

Bible. Zulu

~~Bible  
African  
Zulu~~

IBAIBLE ELI INGCWELE.

---

ELI

NETESTAMENTE ELIDALA, NELITYA,

KU KITYWA KUZO IZILIMI ZOKUQALA,

KU LOTYWA NGOKWESIZULU.

---

THE HOLY BIBLE,

CONTAINING

THE OLD AND NEW TESTAMENTS,

TRANSLATED OUT OF THE ORIGINAL TONGUES,

INTO THE ZULU LANGUAGE.

---

NEW YORK:

AMERICAN BIBLE SOCIETY,

INSTITUTED IN THE YEAR MDCCCXVI.

---

1883.

10410<sup>t</sup>  
3/12/98

AMAGAMA NOKUMA KWAZO ZONKE IZINCWADI

ZETESTAMENTE ELIDALA, NELITYA,

KANYE NAZO IZIBALO ZEZAPHLUKO ZAZO.

AMAGAMA EZINCWADI ZETESTAMENTE ELIDALA.

<i>Ekasini.</i>	<i>Abb. Izahluko.</i>	<i>Ekasini.</i>	<i>Abb. Izahluko.</i>
1. uGenesis e neZahluko	Gen. .... 50	572. uMshumayeli	Ums. .... 12
50. uEksodusi	Eks. .... 40	580. Isihlabelelo sika Solomona	Isihl. .... 8
91. uLevi	Levi. .... 27	584. uIsaya	Isai. .... 66
119. Imibalo	Imib. .... 36	632. uJeremia	Jer. .... 52
162. uDuteronomi	Dut. .... 34	684. Isihlo ka Jeremia	Isihlo. .... 5
197. uJoshua	Josh. .... 24	689. uHezekeli	Hez. .... 48
220. Abahluli	Abahl. .... 21	740. uDanyeli	Dan. .... 12
243. uRute	Rute. .... 4	755. uHosea	Hos. .... 14
246. uSamueli e yokuqala	1 Sam. .... 31	763. uJoeli	Joeli. .... 3
277. uSamueli e yesibili	2 Sam. .... 24	765. uAmosi	Amosi. .... 9
303. Amakosi e yokuqala	1 Ama. .... 22	771. uObadia	Obadia. .... 1
335. Amakosi e yesibili	2 Ama. .... 25	772. uJona	Jona. .... 4
365. Izikronike e yokuqala	1 Kron. .... 29	774. uMika	Mika. .... 7
394. Izikronike e yesibili	2 Kron. .... 36	778. uNahume	Nah. .... 3
427. uEzra	Ezra. .... 10	780. uHabakuki	Hab. .... 3
438. uNehemia	Neh. .... 13	782. uZefania	Zef. .... 3
452. uEsetere	Eset. .... 10	784. uHagai	Hag. .... 2
460. uJobe	Jobe. .... 42	786. uZekaria	Zek. .... 14
486. Izihlabelelo	Izihl. .... 150	794. uMalaki	Mal. .... 4
550. Amazwi Ahlakanipileyo	Amazwi. .... 31		

AMAGAMA EZINCWADI ZETESTAMENTE ELITYA.

<i>Ekasini.</i>	<i>Abb. Izahluko.</i>	<i>Ekasini.</i>	<i>Abb. Izahluko.</i>
3. uMateu e nezahluko	Mat. .... 28	221. uTimote e yokuqala	1 Tim. .... 6
38. uMarko	Mark. .... 16	225. uTimote e yesibili	2 Tim. .... 4
58. uLuka	Luk. .... 24	228. uTitusi	Titusi. .... 3
93. uJohane	John. .... 21	230. uFilemone	Filemone. .... 1
121. Imisebenzi	Imis. .... 28	231. AmaHeberu	Heb. .... 13
156. AbaseRoma	Rome. .... 16	243. Incwadi ka Jakobe	Jak. .... 5
172. AbaseKorinte e yokuqala	1 Kor. .... 16	247. uPetro e yokuqala	1 Pet. .... 5
187. AbaseKorinte e yesibili	2 Kor. .... 13	251. uPetro e yesibili	2 Pet. .... 3
197. AbaseGalatea	Gal. .... 6	254. uJohane e yokuqala	1 John. .... 5
202. AbaseEfesu	Ef. .... 6	258. uJohane e yesibili	2 John. .... 1
208. AbaseFilipi	Fil. .... 4	258. uJohane e yesitatu	3 John. .... 1
212. AbaseKolose	Kol. .... 4	259. uJude	Jude. .... 1
215. AbaseTesalonika e yokuqala	1 Tes. .... 5	260. Isambulo	Isam. .... 22
219. AbaseTesalonika e yesibili	2 Tes. .... 3		



UGENESIS E.

ISAHLUKO 1.

**E**KUQALENI uTixo wenza izulu nomhlaba.

2 Umhlaba wa uze, u yicenge; kwa ku mnyama ebusweni bamanzi. Umo-ya ka Tixo wa ya wa hlala ebusweni bamanzi.

3 Wa ti uTixo, A ku be kona ukukanya: kwa ba kona ukukanya.

4 uTixo wa bona ukukanya ukuti, ku lungile: uTixo wahlukanisa ukukanya nobumnyama.

5 uTixo wa qamba ukukanya Imini, wa qamba ubumnyama Ubusuku. Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lokuqala.

6 Wa ti uTixo, A ku be kona umkati pakati kwamanzi, wahlukanise amanzi namanzi.

7 uTixo wa wenza umkati, wahlukanisa amanzi a ngapansi komkati namanzi a ngapezu komkati: kwa ba njalo.

8 uTixo wa qamba umkati Izulu: Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesibili.

9 Wa ti uTixo, Ka qoqeke ndawonye amanzi a ngapansi kwezulu, u bonakale umhlabati owomileyo: kwa ba njalo.

10 uTixo wa qamba umhlabati owomileyo Umhlaba, ukuqoqeke kwamanzi wa ku qamba Ulwandhle: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

11 Wa ti uTixo, Umhlaba a u veze utyani, nemiti e hlanza imbeu, nemiti yezinhlamvu e tela izinhlamvu izinhlobo ngezinhlobo, imbeu yayo i kuyo, emhlabeni: kwa ba njalo.

12 Umhlaba wa veza utyani, nemiti e hlanza imbeu ngezinhlobo zayo, nemiti e tela izinhlamvu, imbeu yayo i kuyo, izinhlobo ngezinhlobo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

13 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesitatu.

14 Wa ti uTixo, A ku be kona izinkanyiso emkatini wezulu, zahlukanise imini nobusuku, zi be izibonakaliso zemizuzu, nezezinsuku, nezeminyaka;

15 Zi be izinkanyiso emkatini wezulu, zi kanye emhlabeni: kwa ba njalo.

16, uTixo wa zenza izinkanyiso ezimbili; inkanyiso enkulu yokubusa imini, nenkanyiso encinyane yokubusa ubusuku: nezinkanyezi futi.

17 uTixo wa zi misa emkatini wezulu, ukuba zi kanye emhlabeni,

18 Zi buse imini nobusuku, zahlukanise ukukanya nobumnyama: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

19 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesine.

20 Wa ti uTixo, Amanzi ka vame izilwane ezi nemipefumlo ezwayo, a zi ndize izinyoni pezu komhlaba emkatini wezulu.

21 uTixo wa yenza imikomo emikulu, nezinto zonke ezizwayo ezihambayo, a zi vamayo amanzi, ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonke ezi namapiko, ngezinhlobo zazo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

22 uTixo wa zi busisa, wa ti, zalani, nande, ni gwalise amanzi a solwandhle, nezinyoni a zi vame emhlabeni.

23 Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwesihlanu.

24 Wa ti uTixo, Umhlaba a u veze izinto ezizwayo izinhlobo ngezinhlobo, izinkomo, nezilwanyana, nezilo zomhlaba, ngezinhlobo zazo: kwa ba njalo.

25 uTixo wa zenza izilo zomhlaba izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo ngezinhlobo zazo, nezilwanyana zonke zomhlaba izinhlobo ngezinhlobo: uTixo wa bona ukuti, ku lungile.

26 Wa ti uTixo, A senze abantu ngomfanekiso wetu, ba si fuze; ba buse pezu kwezinhlanzi zolwandhle, na pezu kwezinyoni zezulu, na pezu kwezinkomo, na pezu komhlaba wonke, na pezu kwezilwane zonke ezihambayo emhlabeni.

27 uTixo wa benza abantu ngomfanekiso wake; wa benza ngomfanekiso ka Tixo; wenza umlisa nesifazana.

28 uTixo wa ba busisa, uTixo wa ti kubo, Zalani, nande, ni gwalise umhlaba, ni u nqobe; ni buse pezu kwezinhlanzi zolwandhle, na pezu kwezinyoni

zezulu, na pezu konke okuzwayo, okuhambayo emhlabeni.

29 Wa ti uTixo, Bhekani, ngi ni nika imiti yonke e tela imbeu, e semhlabeni wonke, nemiti yonke e nezinhlamvu zomuti o tela imbeu, i be ukudhla kwenu.

30 Izilo zonke zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nezinto zonke ezihambayo emhlabeni, ezi nemipefumlo ezwayo, *ngi zi nike* imiti yonke eluhlaza, i be ukudhla kwazo: kwa ba njalo.

31 uTixo wa bona konke, a be kwezile; bheka, kwa ku lungile impela. Ukuhlwa nokusa kwa ba usuku lwe-situpa.

### ISAHLUKO 2.

**N**JALO kwa pelela izulu nomhlaba namabandhla ako.

2 Ngosuku lwesikombisa uTixo wa e qedile imisebenzi a be yenzile; wa pumula ngosuku lwesikombisa emisebenzini yonke a be yenzile.

3 uTixo wa busisa usuku lwesikombisa, wa lwenza lu be ngewele: ngokuba ngalolo uTixo wa pumula emisebenzini yonke yake, a be i dabulile wa yenza.

4 Loku ku yindaba yokudabuka kwezulu nomhlaba ekudatyulweni kwako, msukwana uJehova uTixo a wenzayo umhlaba nezulu,

5 I nga ka bi ko emhlabeni namiti ya sendhle, zi nga ka mili nazilimo za sendhle: ngokuba uJehova uTixo wa e nga ka nisi invula emhlabeni, kwa ku nga bi ko muntu wokulima umhlabati.

6 Kepa yenyuka inkungu, i vela emhlabeni, ya swakamisa ubuso bonke nomhlaba.

7 uJehova uTixo wa m enza uAdamu ngotuli lomhlabati, wa pefumla emakaleni ake umpefumlo wokuzwa; uAdamu wa ba umuntu ozwayo.

8 uJehova uTixo wa tyala insimu Edene ngasempumalanga; wa beka kona uAdamu a be m enzile.

9 uJehova uTixo wa hlumisa emhlabatini imiti yonke emihle, ebukekayo, nelungela ukudhliwa; nomuti wokupila pakati kwensimu, nomuti wokwazisa okulungileyo nokungalungile.

10 Kwa vela umfula Edene, wa manzisa insimu; wa hlukana kona, wa ba izimbaxa ezine:

11 Igama lowokuqala li iPisone; uwo o hambela ezweni lonke la seHavila, lapo ku kona igolide.

12 Li lungile igolide lalelo lizwe: ku kona ibedola netye leshohamu.

13 Igama lomfula wesibili li iGihone: uwo o hambela ezweni lonke la seKushe.

14 Igama lomfula wesitatu li iHidekele: uwo o hambela ngasempumalanga kwa seAsuri. Umfula wesine u Ufrate.

15 uJehova uTixo wa tabata uAdamu, wa m beka ensimini ya sEdene, ukuba a i lime, a i linde.

16 uJehova uTixo wa m yala uAdamu, e ti, U nga dhla imiti yonke yensimu ngokutanda kwako:

17 Kodwa umuti wokwazisa okulungileyo nokungalungile u nga u dhli: ngokuba msukwana u u dhlayo u ya kufa nokufa.

18 Wa ti uJehova uTixo, A ku lungile ukuba uAdamu a hlale yedwa; ngi za kumenzela umsizi o njengaye.

19 uJehova uTixo wa zenza ngomhlabati izilwane zonke za sendhle, nezinyoni zezulu; wa zi yisa kuAdamu ukuba a bone u za kuziqaniba ngokutini na: loko konke uAdamu a zi qamba kona izinto zonke ezizwayo, kwa ba anagama azo.

20 uAdamu wa zi qamba izinkomo zonke anagama, nezinyoni zonke zezulu, nezilwane zonke za sendhle; kodwa kwa ku nga bi ko umsizi o njengaye uAdamu.

21 uJehova uTixo wa m ehlisela uAdamu ubutongo obunzima, wa lala: wa tabata olunye ubambo kwezake, wa hlanganisa inyama endaweni yalo.

22 Ubambo, a be lu tabatile kuAdamu, uJehova uTixo wa lwenza umfazi, wa m yisa kuAdamu.

23 Wa ti uAdamu, Imbala, u itambo lamatambo ami, nenyama yenyama yami; u ya kuqanjwa ngokuti, indodakazi, ngokuba wa tatywa endodeni.

24 Ngako indoda i za kushiya uyise nonina, i bamebelele kumkayo; bo ba inyamanye.

25 Ba be hambaze bobabili, uAdamu nomkake, kepa be nge nazihloni.

### ISAHLUKO 3.

**I**NYOKA ya i nobuqili kuzo zonke izilwane za sendhle, a be zenzile uJehova uTixo: ya ti kumfazi, Imbala, u tyilo uTixo, A ni yi kuidhla yonke imiti yensimu na?

2 Wa ti umfazi enyokeni, Si nga dhla izinhlamvu zemiti yensimu:

3 Kodwa izinhlamvu zomuti o pakati kwensimu, u te uTixo, A ni yi kuzidhla, a ni yi kuzipata, ukuba ni nga fi.

4 Ya ti inyoka kumfazi, A ni yi kufa nokufa.

5 Ngokuba u yazi uTixo, msukwana ni dhlayo, amehlo enu a za kuvuleka, ni be njengofixo, nazi okulungileyo nokungalungile.

6 Umfazi e bona umuti u lungele ukudhliwa, u bukeka emehlweni, umuti o nxanelekileyo ukuhlakanipisa, wa zika izinhlamvu zawo, wa zi dhla, wa zi nika indoda yake, ya zi dhla nayo.

7 A ti amehlo abo bobabili a vuleka, ba bona ukuti ba hambaze; ba tungalamaqabunga omkiwane, ba zenzela izingubo.

8 Bezwa izwi lika Jehova uTixo e hamba ensimini ntambama: uAdamu nomkake ba m catyela uJehova uTixo emitini yensimu.

9 uJehova uTixo wa m biza uAdamu, wa ti kuye, U pi na?

10 Wa ti, Ngezwa izwi lako ensimini, ngesaba, ngokuba nga hambaze; nga catya.

11 Wa ti, Wa tyelwa ubani ukuti, wa hambaze na? u dhlile lomuti, nga ku yala ngawo ukuti, U nga u dhli, na?

12 Wa ti uAdamu, Umfazi owa ngi nika yena ukuba a be nani, wa ngi pa umuti, nga u dhla.

13 Wa ti uJehova uTixo kumfazi, Ini loku o kwenzileyo na? Wa ti umfazi, Inyoka ya ngi kohlisa, nga dhla.

14 Wa ti uJehova uTixo enyokeni, Ngokuba u kwenzile loku, u tukiwe ku nezinkomo zonke, nezilwane zonke za sendhle; u ya kuhamba ngesisu sako, u dhle utuli izinsuku zonke zokuhamba kwako.

15 Ngi za kubeka inzondo pakati kwako nomfazi, napakati kwenzalo yako nenzalo yake, i ya kulimaza ikanda lako, nawe u ya kulimaza isitende sayo.

16 Wa ti kumfazi, Ngi za kukulisa nokukulisa ubuhlungu bako ekukulelweni kwako; u ya kubeleta abantwana ngobuhlungu, ukunxanela kwako ku ya kuba endodeni yako; i ya kubusa pezu kwako.

17 Wa ti kuAdamu, Ngokuba u lalele izwi lomkako, u dhlile umuti enga ku yala ngawo ukuti, U nga u dhli, wonakele umhlaba ngenxa yako; u ya kuzidhla izitelo zawo, u hlupeke zonke izinsuku zokuhamba kwako.

18 U ya kukuvezela ameva nokula; u ya kudhla imiti ya sendhle.

19 U ya kudhla ukudhla u juluke ebusweni bako, u ze u buyele emhlabeni; ngokuba wa tatyatwa kuwo: u umhlabati wena, u za kupenduka umhlabati.

20 uAdamu wa qamba igama lomkake uEva; ngokuba u unina wabo bonke abapilayo.

21 uJehova uTixo wa benzela uAdamu nomkake izingubo ngezikumba, wa ba gqokisa.

22 Wa ti uJehova uTixo, Bheka, uAdamu u njengati e kwazi okulungileyo nokungalungile: kaloku, funa a selule isandhla sake, a ke umuti wokupila, a dhle, a hambe ku ze ku be pakade,

23 uJehova uTixo wa m mukisa ensimini ya sEdene, ukuba a lime umhlabati a be tatyatwe kuwo.

24 Wa m xotya uAdamu; wa misa ngasempumalanga kwensimu ya sEdene amakerubi, nesinkemba esikazimulayo esipendukayo ukuba ku lindwe indhlela yomuti wokupila.

#### ISAHLUKO 4.

UADAMU wa m azi uEva umkake; u wa kulelwa, wa zala uKani, wa ti, Ngi zuzile indoda kuye uJehova.

2 Wa pinda wa zala uAbela umfo wabo. uAbela wa e ngumalusi wezimvu; uKani wa e ngumlimi womhlabati.

3 Kwa ti emva kwezinsuku ezitile, uKani wa leta izitelo zomhlabati zi be umnikelo kuJehova.

4 uAbela wa leta amazibulo ezimvu zake, ezinonileyo. uJehova wa bheka uAbela nomnikelo wake:

5 Kodwa a ka m bhekanga uKani nomnikelo wake. uKani wa e tukutele kakulu, ba bu nyakamele ubuso bake.

6 Wa ti uJehova kuKani, U tukuteleleni na? ubuso bako bu nyukameleleni na?

7 Uma u lunga a u yi kupakanyiswa na? kepa uma u nga lungi isono si qapele ngasemnyango. Ukuxanela kwake ku za kuba kuwe, wo busa pezu kwake.

8 uKani wa e kuluma noAbela umnawe wake: Kwa ti, be sendhle, uKani wa m vukela uAbela umnawe wake, wa m bulala.

9 Wa ti uJehova kuKani, uAbela umnawe wako u pi na? Wa ti, A ngi

m azi; ngi ngumlindi womnawe wami na?

10 Wa ti, Wenzeni na? Izwi lezingazi zomnawe wako li ya kala kimi emhlabatini.

11 Se u tukiwe emhlabeni o kamise umlomo wawo ukwamkela izingazi zomnawe wako esandhleni sako.

12 Uma u lima umhlabati a u sa yi kukutelela amandhla awo; u ya kuba umdindi, nomhambuma emhlabeni.

13 Wa ti uKani kuJehova, Icala lami li kulu, li ya ngahlula.

14 Bheka, u ngi xotyile namhla ebusweni bomhlabi; ngi ya kusiteka ebusweni bako; ngi ya kuba umdindi nomhambuma emhlabeni; ku ya kuti bonke aba ngi fumanayo ba ya kungibulala.

15 Wa ti uJehova kuye, Ku ngako loko, bonke abambulalayo uKani ko pindiselwa kubo ku ze ku be kakombisa. uJehova wa m bekela uKani isiboniso sokuti, ba nga m bulali abamfumayo.

16 uKani wesuka ebusweni buka Jehova, wa hlala ezweni la seNode, ngasempumalanga kwa sEdene.

17 uKani wa m azi umkake; wa kulelwa, wa zala uEnoke: waka umuzi, wa biza igama lomuzi ngegama lendodana yake, uEnoke.

18 uEnoke wa zala uIrade: uIrade wa zala uMehujale: uMehujale wa zala uMetusale: uMetusale wa zala uLameka.

19 uLameka wa tabata abafazi ababili: igama lomunye la li nguAda, igama lomunye la li nguZila.

20 uAda wa zala uJabale: yena wa e nguyise wabo aba be hlezi ematenteni, be nezinkomo.

21 Igama lonifo wabo la li nguJubale: yena wa e nguyise wabo bonke a ba be pata ugubu nomtyingo.

22 uZila wa zala uTubalkani, owa kanda izinto zonke ezi bukali zensimbi nezetusi: udade wabo ka Tubalkani wa e nguNama.

23 Wa ti uLameka kubafazi bake, uAda noZila, Yizwani izwi lami, bafazi baka Lameka, lalelani inshumayelo yami, ngokuba ngi bulele umuntu ngenxa yokutyaywa kwami, insizwa ngenxa yemivimbo yami.

24 Uma uKani e ya kupindiselwa ku ze ku be kakombisa, uLameka u ya kupindiselwa ku ze ku be kakombisa namashumi akombisa.

25 uAdamu wa m azi umkake futi; wa zala indodana, wa qamba igama layo uSeti: e ti, ngokuba uTixo u ngi misele enye imbeu endaweni ka Abela, owa bulawa uKani.

26 Naye uSeti wa zala idodana; wa qamba igama layo uEnose: kona abantu ba qala ukubonga igama lika Jehova.

#### ISAHLUKO 5.

**L**E i yinwadi yenzalo ka Adamu. Msukwana uTixo e dabula uAdamu, wa benza abantu ngomfanekiso ka Tixo.

2 Umlisa nesifazana wa benza, wa ba busisa, wa qamba igama labo abantu, msukwana be datyulwayo.

3 uAdamu wa hamba iminyaka e ikulu namashumi amatatu wa zala indodana e fana naye, e m fuza, wa biza igama layo uSeti.

4 Izinsuku zika Adamu ngasemva kokuzalwa kuka Seti za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalombili: wa zala amadodana namadodakazi:

5 Izinsuku zonke zokuhamba kuka Adamu za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye namashumi amatatu: wa fa.

6 uSeti wa hamba iminyaka e ikulu nesihlanu, wa zala uEnose:

7 Ngasemva kokuzalwa kuka Enose, uSeti wa hamba iminyaka ya ba amakulu a shiyagalombili nesikombisa, wa zala amadodana namododakazi.

8 Izinsuku zonke zika Seti za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye neshumi nambili: wa fa.

9 uEnose wa hamba iminyaka e ngamashumi a shiyagalolunye, wa zala uKenani.

10 Ngasemva kokuzalwa kuka Kenani uEnose wa hamba iminyaka ya ba amakulu a shiyagalombili neshumi nesihlanu, wa zala amadodana namadodakazi:

11 Izinsuku zonke zika Enose za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye nesihlanu: wa fa.

12 uKenani wa hamba iminyaka e ngamashumi a kombisa, wa zala uMahalalele.

13 Ngasemva kokuzalwa kuka Mahalalele uKenani wa hlala iminyaka e ngamakulu a shiyagalombili namashumi amane, wa zala amadodana namadodakazi.

14 Izinsuku zonke zika Kenani za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye neshumi: wa fa.



15 uMabalalele wa hamba iminyaka e ngamashumi a tatisitupa nesihlanu, wa zala uJaredo.

16 Ngasemva kokuzalwa kuka Jaredo uMahalalele wa hamba iminyaka e ngamakulu ashiyagalombili namashumi amatatu, wa zala amadodana namadodakazi:

17 Izinsuku zonke zika Mahalalele za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalombili namashumi a shiyagalolunye a nesihlanu: wa fa.

18 uJaredo wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a tatisitupa nambili, wa zala uEnoke:

19 Ngasemva kokuzalwa kuka Enoke uJaredo wa hlala iminyaka ya ba makulu a shiyagalombili, wa zala amadodana namadodazi:

20 Izinsuku zonke zika Jaredo za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye namashumi a tatisitupa nambili: wa fa.

21 uEnoke wa hamba iminyaka e ngamashumi a tatisitupa a nesihlanu, wa zala uMetusela.

22 Ngasemva kokuzalwa kuka Metusela, uEnoke wa hamba noTixo iminyaka e ngamakulu amatatu, wa zala amadodana namadodakazi:

23 Izinsuku zonke zika Enoke za zi iminyaka e ngamakulu amatatu namashumi a tatisitupa nesihlanu:

24 uEnoke wa hamba noTixo: wa e nga se ko; ngokuba uTixo wa n tabata.

25 uMetusela wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a shiyagalombili nesikombisa, wa zala uLameka:

26 Ngasemva kokuzalwa kuka Lameka uMetusela wa hamba iminyaka ya ba amakulu a kombisa namashumi a shiyagalombili nambili, wa zala amadodana namadodakazi.

27 Izinsuku zonke zika Metusela za zi iminyaka e ngamakulu a shiyagalolunye namashumi a tatisitupa nashiyagalolunye: wa fa.

28 uLameka wa hamba iminyaka e ikulu namashumi a shiyagalombili nambili, wa zala indodana:

29 Wa qamba igama layo uNoa, e ti, Lowo u ya kusisiza emisebenzini yetu, nasekuhlupakeni kwezandhla zetu, ngenxa yomhlabati uTixo a u tukileyo.

30 Ngasemva kokuzalwa kuka Noa uLameka wa hamba iminyaka e ngamakulu amahlanu namashumi a shiya-

galolunye nesihlanu, wa zala amadodana namadodakazi:

31 Izinsuku zonke zika Lameka za zi iminyaka e ngamakulu a kombisa namashumi a kombisa nesikombisa: wa fa.

32 uNoa wa e neminyaka e ngamakulu amahlanu: uNoa wa zala uShemi, noHamu, noJafete.

## ISAHLUKO 6.

**K**WA ti, abantu be qala ukwanda emhlabeni, be zala amadodakazi,

2 Amadodana ka Tixo a bona amadodakazi abantu ukuti, mahle; a tabata abafazi kuwo onke a wa tandayo.

3 Wa ti uJehova, Umoya wami a u yi kuhlala ku bantu njalo ngenxa yezono zabo; ba inyama nje; izinsuku zabo zi ya kuba iminyaka e ikulu namashumi amabili.

4 Iziqwaka za zi kona ezweni ngalesosikati, naugasemva, lapo amadodana ka Tixo a ngena kumadodakazi abantu, a wa zalela *abantwana*, labo ba ba abantu abanamandhla ba sendulo, abadumileyo.

5 uTixo wa ku bona ukona kwabantu ku kulu emhlabeni, nokucabanga konke kwezizindhlo zenhliziyoyake ukuba kubi impela njalo njalo.

6 uJehova wa guquka ngokuba wa e benzile abantu emhlabeni, wa dabuka enhliziyweni yake.

7 Wa ti uJehova, Ngi za kububisa abantu engi benzileyo ba nga bi ko ebusweni bomhlaba, abantu, nezinkomo, nezilwane, nezinyoni zezulu, ngokuba ngi zisolile ukuba ngi benzile.

8 Kepa uNoa wa zuka umusa emehlweni ka Jehova.

9 Lezi zi yizindaba zika Noa: uNoa wa e ngumuntu olungileyo, e nge nacara esizukulwaneni sake; uNoa wa hamba noTixo.

10 uNoa wa zala amadodana amatatu, uShemi, noHamu, noJafete.

11 Izwe la lonakele ebusweni buka Jehova, izwe la li gewele ukupanga.

12 uTixo wa bona izwe, bheka, la lonakele; ngokuba abantu bonke ba be hamba kabi emhlabeni.

13 Wa ti uJehova kuNoa, Se ku fikile pambi kwami ukupela kwabantu bonke, ngokuba izwe li gewele ukupanga ngenxa yabo; bheka ngi za kubabubisa kanye nezwe.

14 Waka umkumbi ngemiti e nehlaka; wenze izindhlu emkunjini, u u huqe ngenhlaka ngapakati nangapandhle.

15 Iko loku o za kukwenza: Ubude bonkumbi bu izingalo ezi makulu matatu, ububanzi bawo bu izingalo ezi mashumi amahlanu, ubude bawo ukuya pezulu bu izingalo ezi mashumi matatu.

16 Wenze isibuko emkunjini, u si geine ngapezulu ngengalo i benye; u beke umnyango womkumbi ecaleni lawo; wenze izindhlu ngapansi, nezesibili nezisitatu pezulu.

17 Bheka, ngi ya kuleta uzamcolo wamanzi emhlabeni; ukuba a bubise inyama yonke e nemipefumlo e pilayo, e ngapansi kwezulu; konke oku semhlabeni ku za kufa.

18 Kodwa ngi ya kuqinisa kuwe isivumelwano sami; u ya kungena emkunjini, wena, namadodana ako, nomkako, nomka madodana ako nawe.

19 Na kuzo zonke izinto ezizwayo zenyama yonke, u ya kutabata ngambili kuzo zonke izinhlobo, u zi ngenise emkunjini ukuba uzisindise nawe, zi be induna nensikazi.

20 Izinyoni izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo izinhlobo ngezinhlobo, nazo zonke izilwane zomhlaba, izinhlobo ngezinhlobo; ngambili kuzo zonke izinhlobo, zi ya kuza kuwe, zi sinde.

21 U tabate kuko konke ukudhla okudhliwayo, u ku butele kuwe; ku be ukudhla kwako nokwazo.

22 Wenza njalo uNoa; njengaloko konke uTixo a be m yalile ngako, wenza okunje.

### ISAHLUKO 7.

**W**A ti uJehova kuNoa, Ngena emkunjini, wena nayo yonke indhlu yako; ngokuba ngi ku bonile u lungile wena ebusweni bami esizukulwaneni lesi.

2 Kuzo zonke izilwane ezidhliwayo u ya kutabata ngakombisa, induna nensikazi yayo; na kuzo izilwane ezingadhliwayo u ya kutabata ngambili, induna nensikazi yayo.

3 Na kuzo izinyoni zezulu ngakombisa, induna nensikazi; ukuba u londolozel imbeu ebusweni bomhlaba wonke.

4 Ngokuba ngasemva kwezinsuku ezikombisa ngi ya kunisa imvula emhlabeni amalanga amashumi amane; konke okupilayo engi kwenzileyo ngi za ku kububisa ebusweni bomhlaba.

5 uNoa wenza njengako konke uJehova a be m yalele kona.

6 uNoa wa e neminyaka e makulu a tatisitupa, msukwana uzamcolo wamanzi e fika emhlabeni.

7 uNoa wa ngena emkunjini, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake naye, ngenxa yamanzi ka zamcolo.

8 Izilwane ezidhliwayo, nezilwane ezingadhliwayo nezinyoni, nezinto zonke ezihambayo emhlabeni,

9 Za ngena ngambili kuNoa emkunjini, induna nensikazi, njengaloko uTixo a be m yalile uNoa.

10 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezikombisa amanzi ka zamcolo a fika emhlabeni.

11 Ngomnyaka wamakulu a tatisitupa wokuhamba kuka Noa, ngenyanga yesibili, ngosuku lweshumi nesikombisa lwenyanga, ngalolosuku imitombo yonke yolwandhle ya boboka, nezintuba zezulu za vuleka.

12 La na emhlabeni amalanga a ba mashumi mane nobusuku ba ba mashumi mane.

13 Ngalolosuku wa ngena emkunjini uNoa, noShemi, noHamu, noJafete, amadodana ka Noa, nomka Noa, nomka madodana ake abatatu nabo.

14 Bona, nezilo zonke izinhlobo ngezinhlobo, nezinkomo zonke izinhlobo ngezinhlobo, nezilwane zonke ezihambayo emhlabeni izinhlobo ngezinhlobo, nezinyoni zonke izinhlobo ngezinhlobo, izinyonyana zonke zamapiko onke.

15 Za ngena kuNoa emkunjini, zimbili ngezimbili kwenyama yonke e nemipefumlo ezwayo.

16 Ezangenayo za ngena induna nensikazi zenyama yonke, njengaloko a be yalile uTixo; uJehova wa m vulela pakati.

17 La na, lenza uzamcolo emhlabeni izinsuku za ba mashumi mane: amanzi anda, a pakamisa unukumubi, wa pakama pezu komhlaba.

18 Amanzi anda, a kula kakulu emhlabeni: unukumubi wa hamba ebusweni bamanzi.

19 Amanzi anda kakulu emhlabeni; za gutyuzelwa izintaba ezinde zonke, ezipansi kwezulu lonke.

20 Amanzi anda, enyuka, a ya pezulu izingalo ezi ishumi nandlanu; izintaba za gutyuzelwa.

21 Ya fa inyuma yonke eya i hanba emhlabeni, izinyoni, nezinkomo, nezi-

lwane, nezinto zonke ezihambayo emhlabeni, nabantu bonke.

22 Izinto zonke ezi nemipefumlo yomoya ozwayo, zonke ezi semhlabatini omileyo, za fa.

23 Kwa bujiswa konke okuzwayo okwa ku sebusweni bomhlaba, nabantu, nezinkomo, nezilwane, nezinyoni zezulu; kwa bujiswa emhlabeni; wa sala uNoa yedwa nabo aba be kona naye emkunjini.

24 Amanzi a e kulile emhlabeni izinsuku za ba ikulu namashumi amahlanu.

ISAHLUKO 8.

UTIXO wa kumbula uNoa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezi naye emkunjini: uTixo wa leta umoya emhlabeni, amanzi a bohla.

2 Kwa vinjelwa imitombo yolwandhle nezintuba zezulu, ya kaulelwa invula ezulwini.

3 Amanzi a ncipa njalo emhlabeni: ngasemva kwezinsuku ezi ikulu namashumi amahlanu amanzi a e ncipa.

4 Kwa ti ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi nakombisa lwenyanga, umkumbi wema ezintabeni za se-Ararati.

5 Amanzi a e ncipa njalo, ya za ya twasa inyanga yeshumi: *ngenyanga yeshumi*, ngosuku lokuqala lwenyanga, za bonakala iziqongo zezintaba.

6 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezi amashumi amane, uNoa wa vula isibuko somkumbi a be senzile.

7 Wa li pumisa igwababa, la zulazula njalo a za a tya amanzi emhlabeni.

8 Wa buya wa pumisa ijuba kuye ukubona ukuba a ncipile amanzi ebusweni bomhlaba.

9 Kepa ijuba a li fumananga ukupumula konyawo lwalo; la buyela kuye emkunjini, ngokuba amanzi a e se sebusweni bomhlaba wonke: wa selula isandhla sake, wa li tabata, wa li ngenisa kuye emkunjini.

10 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezikombisa; wa pinda wa li pumisa ijuba emkunjini.

11 Ijuba la ngena kuye kusihlwa; bheka, iqabunga lomgwenya elikiweyo li semlonyeni walo: kona wazi uNoa ukuti, amanzi a se ncipile emhlabeni.

12 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezikombisa; wa pumisa ijuba; a li pindanga li sa buyela kuye.

13 Kwa ti ngomnyaka wamakulu a

tatititupa nanye, ngenyanga yokuqala, ngosuku lokuqala lwenyanga, amanzi a be e tyile emhlabeni: uNoa wa susa isisibekelo somkumbi, wa kangela, bheka, ba se bomile ubuso bomhlaba.

14 Ngenyanga yesibili, ngosuku lwamashumi amabili a nesikombisa lwenyanga, wa se womile umhlaba.

15 uTixo wa kuluma kuNoa, e ti,

16 Puma emkunjini, wena, nomkako, namadodana ako, nomka madodana ako nawe.

17 Puma nezilwane zonke ezi nawe, zenyama yonke, izinyoni, nezinkomo, nezilwane zonke ezihambayo emhlabeni, a zi vame emhlabeni, zi zale zande ezweni.

18 uNoa wa puma, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake naye.

19 Izilwane zonke, nezilwanyana zonke, nezinyoni zonke, konke okuhambayo emhlabeni, izinhlobo ngezinhlobo, kwa puma emkunjini.

20 uNoa wa m akela uJehova ilati; wa tabata kuzo zonke izilwane ezidhlwayo, na kuzo zonke izinyoni ezidhlwayo, wa nikela iminikelo yokutya elati.

21 uJehova wezwa ipunga elinandi: wa ti uJehova enhliziyweni yake, A ngi sa yi kubuya ngi tuke umhlaba ngenxa yabantu: kodwa izicabango zezinhliziyozabantu zimbi se iloku ba zalwayo; a ngi sa yi kupinda ngi bubise konke okuzwayo njengaloku engi kwenzileyo.

22 Nxa u se kona umhlaba, a ku yi kunqanuka ukulima nokuvuna, amakaza nokufudumala, ihlobo nobusika, imini nobusuku.

ISAHLUKO 9.

UTIXO wa m busisa uNoa namadodana ake, wa ti kubo, Zalani, nande, ni gwalise umhlaba.

2 Ni ya kuba nesitunzi, nesatywe izilwane zonke zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nako konke okuhambayo emhlabeni, nezinhlanzi zonke zolwandhle: zi nikelwe esandhleni senu.

3 Izilwane zonke ezizwayo zi ya kuba ukudhla kwenu; se ngi ni pile konke njengemiti eluhlaza.

4 Kodwa inyama e zwayo, e negazi layo, a ni yi kudhla yona.

5 Igazi lenu, elokupila kwenu, ngi qinisile, ngi ya kulibiza, esandhleni sezilwane zonke ngi ya kulibiza, na sesandhleni sabantu; ngi ya kubiza ukupila

kwabantu, o komunye esandhleni somunye.

6 Yena o palaza igazi lomuntu, igazi lake li ya kucitwa umuntu; ngokuba ngomfanekiso ka Tixo wa benza abantu.

7 Zalani nina, nande; vamani emhlabeni, ni be baningi kuwo.

8 uTixo wa kuluma kuNoa na kumadodana ake a naye, e ti,

9 Bhekani, ngi ya qinisa isivumelwano sami nani, nenzalo yenu ngasemva kwenu :

10 Nezilwane zonke ezizwayo ezi nani, izinyoni, nezinkomo, nezilwane zonke zomhlaba ezi nani; zonke ezi puma emkunjini ku ze ku be ezilwaneni zonke zomhlaba.

11 Ngi ya kuqinisa isivumelwano sami nani; a ku sa yi kubujiswa futi inyama yonke ngamanzi ka zamecolo; a ka sa yi kuza futi uzamecolo ukuba a cite izwe.

12 Wa ti uTixo, Loku ku yisibonakaliso sesivumelwano, e ngi si misayo pakati kwami nani, nezinto zonke ezizwayo ezi nani, kuze ku be ezizukulwaneni zonke.

13 Ngi ya misa utingo lwami efwini, lu be isibonakaliso sesivumelwano pakati kwami nezwe.

14 Ku za kuti, nxa ngi zisa ifu pezu komhlaba, utingo lu za kubonakala efwini :

15 Ngi ya kusikumbula isivumelwano sami esi pakati kwami nani, nezinto zonke ezizwayo; amanzi a ka sa yi kuba uzamecolo wokububisa inyama yonke.

16 Utingo lu ya kuba efwini: ngi ya kulubheka, ngi kumbule isivumelwano esi pakade, esi pakati kuka Tixo nezinto zonke ezizwayo zenyama yonke e semhlabeni.

17 Wa ti uTixo ku Noa, Loku ku yisibonakaliso sesivumelwano, e ngi si misileyo pakati kwami nenyama yonke e semhlabeni.

18 Amadodana ka Noa, a puma emkunjini, a e nguShemi, noHamu, noJafete; uHamu wa e nguyise ka Kenani.

19 Lawa amatatu a e ngamadodana ka Noa: ba vela kuwo aba semhlabeni wonke, be zihlakazekela.

20 uNoa wa qala wa ba umlimi womhlabati, wa tyala isivini.

21 Wa puza iwaini, wa dakwa; wa lala bunqu etenteni lake.

22 uHamu, uyise ka Kenani, wa bona ubunqunu buka yise, wa ba tyala abafu wabo bobabili be ngapandhle.

23 uShemi noJafete ba tabata ingubo, ba i beka emahlombe abo bobabili, ba hlehla nyovane, ba bu sibekela ubunqunu buka yise; ubuso babo bu bhaka emva, a ba bonanga ubunqunu buka yise.

24 uNoa wa vuka ekudakweni, wezwa loko, e bi kweenzile kuye indodana yake encinyane.

25 Wa ti, U tukiwe uKenani, u ya kuba isigqili sezigqili kubafo wabo.

26 Wa ti futi, U busisiwe uJehova uTixo ka Shemi; uKenani u ya kuba isigqili sake.

27 uTixo u ya kumkulisa uJafete, a hlale ematenteni ka Shemi; uKenani u ya kuba isigqili sake.

28 Ngasemva kuka zamecolo uNoa wa hamba iminyaka ya ba makulu matatu namashumi amahlanu.

29 Izinsuku zonke zika Noa za zi iminyaka e makulu a shiyagalolunye namashumi amahlanu.

## ISAHLUKO 10.

**L**EZI zi izizukulwane zamadodana ka Noa, uShemi noHamu, noJafete: ba zala amadodana ngasemva kuka zamecolo.

2 Amadodana ka Jafete; uGomere, noMagoge, noMadai, noJavane, noTubale, noMesheke, noTirase.

3 Amadodana ka Gomere; uAshekenaze, noRifate, noTogarma.

4 Amadodana ka Javane; uElisha, noTarshishi, noKitime, noDodanime.

5 Aba seziqingini zezizwe, ba vela kubo, be zihlakazekela emazweni abo; bonke, ngezilimi zabo, ngezinhlobo zabo, ezizweni zabo.

6 Amadodana ka Hamu: uKushe, noMizirami, noFuti, noKenani.

7 Amadodana ka Kushe: uSeba, noHavila, noSabta, noRama, noSabteka: amadodana ka Rama; uSheba noDedane.

8 uKushe wa zala uNimrode: wa qala wa ba isiqwaga ezweni.

9 Wa ba isiqwaga sokuzingela ebusweni buka Jehova: ngako kwa tiwa, NjengoNimrode isiqwaga sokuzingela ebusweni buka Jehova.

10 Wa qala wa busa eBabeli, na seEreke, na seAkade, na seKalne, ezweni la seShinar.

11 Wa puma ku lelozwe, wa ya eAsuri,

waka iNinevi, nomuzi iRehoboti, neKala.

12 NeReseni pakati kweNinevi neKala: lowo u ngumuzi omkulu.

13 uMizrani wa zala uLudime, noAnamime, noLehabime, noNaftuhime,

14 NoPatrusime, noKasluhime, aba vela kuye, oFilistime, noKafitorime.

15 uKenani wa zala uSidone, izibulo lake, noHete,

16 NoJebusi, noAmori, noGirigasi,

17 NoHivi, noArki, noSini,

18 NoArivadi, noZemari, noHamati: ngasemva izindhlu zamaKenani za zi-hlakazekela.

19 Umkaulo wamaKenani wa u qala eSidone wa ya eGerari wa za wa fika eGaza; wa ya eSodoma na seGomora, na seAdma; na seZebomi wa za wa fika Elasha.

20 Laba ba be ngamadodana ka Hamu, ngezinhlobo zawo, na ngezilimi zawo, emazweni awo, na sezizweni zawo.

21 Naye uShemi, uyise wabantwana bonke baka Eberi, umnawe ka Jafete omkulu, wa zala abantwana.

22 Amadodana ka Shemi; uElame, noAshuri, noArfaksade, noLude, noAramu.

23 Amadodana ka Aramu; uZe, noHule, noGeteri, noMashe.

24 uArfaksade wa zala uSala; uSala wa zala uEberi.

25 uEberi wa zala amadodana amabili: igama lomunye la li nguPelegi; ngokuba emihleni yake izwe la datyulwa; igama lomnawe wake la li nguJoktane.

26 uJoktane wa zala uAlmodade, noShelefe, noHazarmate, noJera.

27 NoHadoram, noUzale, noDikla.

28 NoObale, noAbimele, noSheba.

29 NoOfire, noHavila, no Jobabe: laba bonke ba be ngamadodana ka Joktane.

30 Ukwaka kwabo kwa qala eMeshah kwa ya kwa fika eSefare, intaba ya senpumalanga.

31 Laba ba be ngamadodana ka Shemi, ngezinhlobo zawo, na ngezilimi zawo, emazweni awo, ngezizwe zawo.

32 Lezi zi izindhlu zamadodana ka Noa ngezinzalo zawo, ezizweni zawo: izizwe za vela kuwo za hlakazeka emhlabeni ngasemva kuka zamecolo.

ISAHLUKO 11.

I ZWE lonke la li nolimi lunye, nokukuluma kunye.

2 Kwa ti ekusukeni kwabo ngasempu-

malanga, ba fumanisa itafa ezweni la seShinari; baka kulo.

3 Ba kuluma bodwa be ti, A senze isitini, si si tyise nokutyisa. Isitini sa si ngamatye abo, ibitume la li udaka lwabo.

4 Ba ti, A sake umuzi nombotyongo, isiqongo sawo si fike ezulwini; senze igama, si nga hlakazeki ebusweni bomhlaba wonke.

5 uJehova wehla ukubona umuzi nombotyongo, aba be kwakile abantwana babantu.

6 Wa ti uJehova, Bhekani, isizwe sinye, nolimi lunye kubo bonke; se be qala ukwenza loku: kaloku a ba sa yi kunqanyulelwa ngaluto kuko konke aba qambile ukuba ba kwenze.

7 A sehle si sanganise kona ulimi lwabo, ukuba ba ngezwani, omunye ulimi lomunye.

8 uJehova wa ba hlakaza kona ebusweni bomhlaba wonke; ba peza ukwaka umuzi.

9 Ngako igama lawo la tiwa iBabeli; ngokuba uJehova wa sanganisa ulimi lwezwe lonke; uJehova wa ba hlakaza kona ebusweni bomhlaba wonke.

10 Lezi zi izizukulwane zika Shemi: uShemi wa ba neminyaka e ikulu, wa zala uArfaksade iminyaka emibili ngasemva kuka zamecolo.

11 Ngasemva kokuzalwa kuka Arfaksade, uShemi wa hamba iminyaka ya ba makulu mahlanu, wa zala amadodana namadodakazi.

12 uArfaksade wa hamba iminyaka ya ba mashumi matatu a nesihlanu, wa zala uSala.

13 Ngasemva kokuzalwa kuka Sala, uArfaksade wa hamba iminyaka ya ba makulu mane nantatu wa zala amadodana namadodakazi.

14 uSala wa hamba iminyaka ya ba mashumi matatu, wa zala uEberi:

15 Ngasemva kokuzalwa kuka Eberi, uSala wa hamba iminyaka ya ba amakulu amane nantatu, wa zala amadodana namadodakazi.

16 uEberi wa hlala iminyaka ya ba amashumi amatatu nane, wa zala uPelegi.

17 Ngasemva kokuzalwa kuka Pelegi uEberi wa hamba iminyaka ya ba amakulu amane namashumi amatatu, wa zala amadodana namadodakazi.

18 uPelegi wa hamba iminyaka ya ba amashumi amatatu, wa zala uReu.

19 Ngasemva kokuzalwa kuka Reu,

uPelegi wa hamba iminyaka ya ba maku mabili nashiyagalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

20 uReu wa hamba iminyaka ya ba amashumi amatatu nambili, wa zala uSerugi :

21 Ngasemva kokuzalwa kuka Serugi, uReu wa hamba iminyaka ya ba maku mabili nesikombisa, wa zala amadodana namadodakazi.

22 uSerugi wa hamba iminyaka ya ba amashumi amatatu, wa zala uNahori.

23 Ngasemva kokuzalwa kuka Nahori, uSerugi wa hamba iminyaka ya ba amaku amabili, wa zala amadodana namadodakazi.

24 uNahori wa hamba iminyaka ya ba amashumi amabili nashiyagalolunye, wa zala uTera :

25 Ngasemva kokuzalwa kuka Tera, uNahori wa hamba iminyaka ya ba ikulu neshumi nashiyagalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

26 uTera wa hamba iminyaka ya ba amashumi a kombisa, wa zala uAbrama, noNahori, noHaranu.

27 Lezi zi izizukulwane zika Tera : uTera wa zala uAbrama, noNahori, noHaranu ; uHaranu wa zala uLoti.

28 uHaranu wa fa ngapambili kuka Tera uyise, ezweni, a zalelwa kulo, eUre lamaKaledi.

29 uAbrama noNahori ba zitabatela abafazi : igama lomka Abrama la li ngu-Sarai ; igama lomka Nahori la li ngu-Milka, indodakazi ka Haranu, uyise ka Milka, noyise ka Iska.

30 uSarai wa e inyumba ; e nge nazalo.

31 uTera wa tabata uAbrama, idodana yake, noLoti indodana ka Haranu, indodana yendodana yake, noSarai umalukazana wake ; umka Abrama indodana yake ; be suka nabo eUre lamaKaledi, ukuba ba ye ezweni la seKenani ; ba fika eHaranu, baka kona.

32 Izinsuku zika Tera za zi iminyaka e makulu mabili nanhlanu : uTera wa fa eHaranu.

#### ISAHLUKO 12.

**UJEHOVA** wa ti kuAbrama, Suka ezweni lako, na sezihlotyeni zako, na sendhlini ka yihlo, u ye ezweni engi za kukukombisa lona.

2 Ngi ya kukwenza u be isizwe esikulu, ngi ku busise, ngi kulise igama lako ; u ya kuba isibusiso.

3 Ngi ya kubusisa abakubusisayo, ngi m tuke okutukayo : zi ya kubusiswa ngawe izizwe zonke zomhlaba.

4 uAbrama wesuka njengaloko uJehova a be tyilo kuye : uLoti wesuka naye : uAbrama wa e neminyaka enashumi a kombisa nanhlanu, usukwana e muka eHaranu.

5 uAbrama wa tabata uSarai unkake, noLoti indodana yomfo wabo, ifemfuyo yonke yabo, aba be i fuyile, nabantu aba be ba tolile eHaranu ; be muka ukuya ezweni la seKenani ; ba fika ezweni la seKenani.

6 uAbrama wa dabula izwe, wa fika endaweni ka Sikeme, emkobeni wa se-More. uKenani wa e se kona ezweni.

7 uJehova wa bonakala kuAbrama, wa ti, Ngi ya kunika inzalo yako lelizwe : wa m akela kona uJehova ilati, owa bonakala kuye.

8 Wesuka kona, wa ya entabeni ngasempumalanga kwa seBeteli, wa misa itente lake, iBeteli li ngasentyonalanga, iHai li ngasempumalanga : wa m akela kona uJehova ilati, wa bonga igama lika Jehova.

9 uAbrama wesuka njalo, e qonda ngaseningizimu.

10 Kwa ku kona indhlala ezweni ; uAbrama wehla wa ya Egipte ukuhlala kona ; ngokuba indhlala ya inzima ezweni.

11 Kwa ti, e sa sondela ukungena Egipte, wa ti kuSarai unkake, A ku bheke, ngi yazi u umfazi obukekayo.

12 Ku ya kuti, nxa abasEgipte be ku bona, ba ya kuti, Lowo u unkake ; ba za kungibulala mina, ba londe wena.

13 Wo tike, U udade wetu : ukuba ku ngi lungele ngenxa yako ; umoya wami u sinde ngawe.

14 Kwa ti ukufika kuka Abrama Egipte, abasEgipte ba m bona umfazi ukuti, muhle impela.

15 Izinduna zika Faro za m bona, za m babaza pambi kuka Faro : umfazi wa ngeniswa endhlini ka Faro.

16 Wa m pata kahle uAbrama ngenxa yake : wa e nezimvu nezinkomo, nezinjomane, nezinecku, nezineckukazi, nezinjonanekazi, namakamelo.

17 uJehova wa m tyaya uFaro nendhlu yake ngokutyaya okukulu, ngenxa ka Sarai umka Abrama.

18 uFaro wa m biza uAbrama, wa ti, ini o kwenze kimina na ? ini ukuba u nga ngi tyelanga ukuti, umkako na ?

19 U tyolani ukuti, Udade wetu, na? nga ngi m tabatile, wa ba unikami: a ku bheke, nangu unkako, m tabate, u hambe.

20 uFaro wa yalela abantu bake ngaye: ba m mukisa, nomkake, nako koke a e nako.

ISAHLUKO 13.

UABRAMA wa kupuka Egipite, nomkake, nako konke a nako, noLoti naye, *ba ya ngaseningizimu*.

2 uAbrama wa e fuyile kakulu izinkomo, nesiliva negolide.

3 Wa hamba njengokuza kwake e suka ngaseningizimu, wa za wa fika eBeteli, endaweni ela li kuyo itente lake kuqala, pakati kweBeteli neHai;

4 Endaweni yelati, a lenzayo kona kuqala: uAbrama wa li bongela kona igama lika Jehova.

5 Naye uLoti, owa hamba noAbrama, wa e nezimvu, nezinkomo, namatente.

6 Izwe a li banelanga, ukuba ba hlale ndawonye; ngokuba imfuyo yabo ya inkulu, ba be nge hlale ndawonye.

7 Kwa ku kona inkani pakati kwabalusi bezinkomo zika Abrama nabalusi bezinkomo zika Loti: uKenani noPerizi ba be sezweni.

8 Wa ti uAbrama kuLoti, A ku nga bi ko inkani pakati kwami nawe, na pakati kwabalusi bami nabalusi bako, ngokuba si ngabazwane.

9 Izwe lonke a li ko ini po ebusweni bako na? a ku hlukane nami: nxa u ya ngakwesokunene, ngi za kuya ngakwesokohlo; nanxa u ya ngakwesokohlo, ngi za kuya ngakwesokunene.

10 uLoti wa pakamisa amehlo ake, wa kangela imfunda yonke ya seJordani, ngokuba ya i namanzi yonke, uJehova e nga ka cita iSodoma neGomora, ya i njengensimu ka Jehova, njengezwe la seEgipite, kuze ku fike eZora.

11 uLoti wa keta imfunda yonke ya seJordani; uLoti wesuka wa ngasempumalanga: ba hlukana.

12 uAbrama wa hlala ezweni la seKenani; uLoti wa hlala emizini ya semfundeni, wa misa itente lake ngaseSodoma.

13 Kepa abantu ba seSodoma ba be babi, be aboni kakulu kuJehova.

14 Wa ti uJehova kuAbrama, uLoti e sahlukene naye, A ku pakamisa amehlo ako, u me endaweni o kuyo, u kangengele ngasenyakato na ngaseningizimu,

na ngasempumalanga, na ngasentyonalanga:

15 Ngokuba izwe lonke, o li bonayo, ngi za ku linikela kuwe, na kuyo inzalo yako ku ze ku be pakade.

16 Ngi ya kwenza inzalo yako i be njengofuli lomhlabati: nxa umuntu e nga bala utali lomhlabati, i nga balwa nayo inzalo yako.

17 Suka, u hambele ezweni, ebudeni balo na sebubanzini balo; ngokuba ngi ya kukunika lona.

18 uAbrama wesuka, weza waka emikobeni ka Mamre la seHebroni; wa m akela kona uJehova ilati.

ISAHLUKO 14.

KWA ti emihleni ka Amrafeli inkosi ya seShinari, noArioki inkosi ya seElasare, noKedolomeri inkosi ya seElami, noTidali inkosi yezizwe,

2 Laba ba lwa noBera inkosi ya seSodoma noBiresha inkosi ya seGomora, noShinabe inkosi ya seAdma, noShemebere inkosi ya seZebomi; nayo inkosi ya seBela, okuti iZora.

3 Laba bonke ba hlangana emfundeni ya seSidimi, e se li ulwandhle luka Sawoti.

4 Iminyaka ya ba ishumi nambili be m konza uKedolomeri, ngomnyaka weshumi nantatu ba hlubuka.

5 Ngomnyaka weshumi nane kweza uKedolomeri namakosi a naye, ba cita amaRefai a seAshtorote Karenami, namaZuzi a seHamu, namaEmi a semfundeni ya seKiritani,

6 uAmahori a sentabeni yabo iSira, ku ze ku fike Elparani, oku sehlane.

7 Ba buya beza Emmishpata, okuti iKadeshi, ba cita izwe lonke lamaAmaleki, nawo amaAmori a e hlezi eHazezontamari.

8 Kwa puma inkosi ya seSodoma, nenkosi ya seGomora, nenkosi ya seAdema, nenkosi ya seZebomi, nenkosi ya seBela, okuti iZora; ba hloma ba lwa nabo emfundeni ya seSidimi;

9 Ba lwa noKedolomeri inkosi ya seElami, noTidali inkosi yezizwe, noAmrafeli inkosi ya seShinari, noArioki inkosi ya seElasare; amakosi amane *a lwa* namahlanu.

10 Imfunda ya seSidimi ya i nemi-godi yebitume: inkosi ya seSodoma naye seGomora, a baleka, a hluleka kona; abaseleyo ba baleka ba ya entabeni.

11 Ba tabata izinto zonke za seSodoma

neza seGomora, nokudhla konke kwabo, bemuka.

12 Ba m tabata uLoti indodana yomfo wabo ka Abrama, owa e hlezi eSodoma, nezinto zake, bemuka.

13 Kweza o sindileyo, wa m bikela uAbrama unHeberu; ngokuba wa e hlala emikobeni ka Mamre umAmori, umfo wabo ka Eshikoli, nomfo wabo ka Aneri: labo ba be hlangene noAbrama.

14 uAbrama e zwa ukuti, u tunjiwe umfo wabo, wa ba hlomisa abake abafundileyo, aba zaliwe endhlini yake, aba amakulu amatatu neshumi nashiyagalombili, wa ba landela, wa za wa fika eDani.

15 Wa bahlukanisa abake wa ya kubo ebusuku, yena nezineeku zake, wa bahlula, wa ba landela wa za wa fika eHoba, eli ngasokohlo kweDamaseku.

16 Wa buyisa izinto zonke, wa m buyisa naye uLoti umfo wabo, nezinto zake, nabesifazana, nabantu.

17 Ngasemva kokubuya kwake ekwahluleni uKedolomeri namakosi a naye, ya puma inkosi ya seSodoma ukumhlangabeza emfundeni ya seShavi, eli imfunda yenkosi.

18 uMelkizideki inkosi ya seSaleni, wa leta ukudhla newaini: wa e umpristi ka Tixo o pezu konke.

19 Wa m busisa, wa ti, U busiswe uAbrama nguTixo o pezu konke, umnizulu nomhlaba.

20 U busisiwe uTixo o pezu konke, o zi nikele izita zako esandhlени sako. Wa m nika okweshumi kuko konke.

21 Ya ti inkosi ya seSodoma kuAbrama, Ngi nike abantu, u tabate izinto.

22 Wa ti uAbrama enkosini ya seSodoma, Ngi pakanisile isandhla sami kuJehova, uTixo o pezu konke, umnizulu nomhlaba,

23 A ngi yi kutabata intanjana, noqoto lwesicatulo, a ngi yi kutabata uto kuko konke okwako, ukuba u nga tyo, ukuti Ngi m fuyisile uAbrama;

24 Loko kupela, oku dhliwe izineeku, nokwabelwe abantu aba be hamba nami, uAneri, noEshikoli, noMamre: a ba tabate abakwabelweyo.

ISAILUKO 15.

**N** GASEMVA kwaloko izwi lika Jehova leza kuAbrama, li ti, U ngesabi, Abrama; ngi isihlangu sako, nenzuzo yako enkulu kakulu.

2 Wa ti uAbrama, Nkosi Jehova, u ya kungipani na? loku ngi hamba ngi nge namtwana: uElizeri wa seDamaseku u ya kuba umbonisi wendhlu.

3 Wa ti uAbrama, Bheka, a u ngi pangambeu: bheka, ineeuku e zalwa endhlini yami i za kulidhla ifa lami.

4 Bheka, izwi lika Jehova leza kuye, li ti, Lo a ka yi kulidhla ifa lako; kodwa lo o za kuzalwa uwe u ya kulidhla ifa lako.

5 Wa m pumisela ngapandhle, wa ti, Kangela ezulwini, u bale izinkanyezi, uma u nga zi bala: wa ti kuye, Ku za kuba njalo inzalo yako.

6 Wetemba kuJehova; wa ti ku ukulungu kwake.

7 Wa ti kuye, Ngi nguJehova owa ku pumisa eUre la semaKaldi, ukuba ngi ku nike lelizwe li be ifa lako.

8 Wa ti, Nkosi Jehova, ngi ya kuzwa ngani ukuti li za kuba ifa lami na?

9 Wa ti, Ngi tabatele isitole esi neminyaka emitatu, nembumzi e yinsikazi e neminyaka emitatu, nevukutu, nejubana.

10 Wa zi tabata zonke lezo, wa zi dabula pakati, wa zi hlela izingcezu za bhkana: kepa ka zi dabulauga izinyoni,

11 Amanqe ehlela pezu kwezidumbu, uAbrama wa wa xotya.

12 Kwa ti ukutyona kwelanga, ubutongo obunzima ba m ehlela uAbrama; bheka, kwa m ehlela ubumnyama obukulu obusabekayo.

13 Wa ti kuAbrama, A ke u zwisise, inzalo yako i za kuba abafokazi ezweni eli nge silo e layo, i konze; ba ya kuhlupa iminyaka i be amakulu amane;

14 Kepa lesosizwe, e za kusikonza, ngi ya kusahlulela: ngasemva i ya kupuma i nemfuyo enkulu.

15 Nawe u ya kuya koyise benu u tokoza; u ya kumbelwa u su nidala.

16 Ngesizukulwane sesine i ya kubuyela lapa: ngokuba izono zamaAmori a zi ka peleli.

17 Kwa ti ukutyona kwelanga, kwa ba mnyama, bheka, kwa dhlula pakati kwa lezo zingcezu iziko lomusi, nelangabi lomlilo.

18 Ngalolosuku uJehova wa senza isivumelwano noAbrama, e ti, Ngi nikile inzalo yako lelizwe, li qala emfuleni wa sEgipite li ze li fike emfuleni omkulu, umfula okutiwa Ufrate:

19 AmaKeni, namaKenizi, namaKadmoni,



20 NamaHiti, namaPerizi, namaRe-fai,

21 NamaAmori, namaKenani, nama-Girgashi, namaJebusi.

ISAHLUKO 16.

USARAI umka Abrama a ka m zale-  
langa bantwana: wa e nencekukazi  
ya sEgipite, igama layo la li nguHa-  
gari.

2 Wa ti uSarai kuAbrama, Bhekake,  
uJehova u ngi nqabele ukuba ngi zale;  
a ku ngene ku yo incekekazi; ingabe  
ngi za kwakelwa ngayo. uAbrama wa  
lalela izwi lika Sarai.

3 uSarai, umka Abrama, wa tabata  
uHagari wa sEgipite, incekekazi yake,  
wa m nika uAbrama indoda yake, a be  
umfazi wake, uAbrama e sakile eKenani  
iminyaka e ishumi.

4 Wa ya kuHagari, wa kulelwa: e bo-  
na ukuti u kulelwe, inkosikazi yake ya  
deleleka emehlweni ake.

5 Wa ti uSarai kuAbrama, Ukulu-  
peka kwami a ku be kuwe; ngi nikele  
incekekazi yami esifubeni sako; ku te i  
bona i kulelwe, nga deleleka eme-  
hlweni ayo: uJehova a tete icala pakati  
kwami nawe.

6 Wa ti uAbrama kuSarai, Bheka,  
incekekazi yako i sesandhlani sako;  
yenza kuyo okufanele emehlweni ako.  
Kona uSarai wa i hlupa, ya baleka ebu-  
sweni bake.

7 Isitunywa sika Jehova sa i fumana  
ngasemtonjeni wamanzi ehlane, ngase-  
mtonjeni endhlehleni e ya eShuri.

8 Sa ti, Hagari, ncekukazi ka Sarai, u  
velapi na? U tanda ukuya ngapi na?  
Wa ti, Ngi ya baleka ebusweni benkosi-  
kazi yami, uSarai.

9 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,  
Buyela kuyo inkosikazi yako, u zibeke  
pansi kwezandhla zayo.

10 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,  
Ngi ya kwandisa kakulu inzalo yako i  
nga be i sa balwa ngobuningi.

11 Sa ti kuye isitunywa sika Jehova,  
Bheka, u su kulelwe, u ya kuzala indo-  
dana, u qambe igama layo uIshmaeli;  
ngokuba uJehova u zwile ukuhlupeka  
kwako.

12 Yena u ya kuba umuntu wa se-  
ndhle, isandhla sake si ya kuba kubo  
bonke; nesandhla sabo bonke si ya ku-  
ba kuye; u ya kuhlala pambi kwabafo  
wabo bonke.

13 Wa qamba igama lika Jehova owa

kuluma naye ukuti, Wena uTixo obona-  
yo: ngokuba wa ti, Imbala ngi bhekile  
ini o ngi bonayo na?

14 Ngaloko lowomtonbo kwatiwa iBe-  
relahairoi; bheka u pakati kweKadeshi  
neBeredi.

15 uHagari wa m zalela uAbrama  
indodana: uAbrama wa qamba igama  
lendodana yake, uHagari a be i zele,  
ukuti, uIshmaeli.

16 uAbrama wa e neminyaka e ma-  
shumi a shiyagalombili nesitupa,  
msukwana uHagari e zalela uAbra-  
ma uIshmaeli.

ISAHLUKO 17.

UABRAMA e se neminyaka e ma-  
shumi a shiyagalolunye nashiya-  
galolunye, uJehova wa bonakala ku  
Abrama, wa ti kuye, Ngi nguTixo  
umninimandhla; hamba pambi kwami,  
u lunge.

2 Ngi ya kumisa isivumelwano sami  
pakati kwami nawe, ngi ya kukwandisa  
kakulu.

3 uAbrama wa wa ngobuso bake:  
uTixo wa kuluma naye, e ti,

4 Bheka, isivumelwano sami si kuwe,  
u ya kuba uyise wezizwe eziningi.

5 Igama lako a li sa yi kubizwa ngo-  
kuti, uAbrama, kodwa igama lako li za  
kuba uAbrahama; ngokuba ngi kwe-  
nzile u be uyise wezizwe eziningi.

6 Ngi ya kwandisa kakulu inzalo ya-  
ko, ngi kwenze u be izizwe, ku za ku-  
vela kuwe amakosi.

7 Ngi ya kuqinisa isivumelwano sami  
pakati kwami nawe, nenzalo yako nga-  
semva kwako ezizukulwaneni zayo, si  
be isivumelwano esi nga nqamukiyo, ngi  
be uTixo wako nowenzalo yako ngase-  
mva kwako.

8 Ngi ya kukunika wena, nenzalo yako  
ngasemva kwako, izwe o hlezi kulo u  
ngumfokazi, izwe lonke la seKenani, li  
be izwe lenu ku ze ku be nini; ngi ya  
kuba uTixo wabo.

9 Wa ti uTixo kuAbrahama, U ya ku-  
gcina isivumelwano sami, wena, nenzalo  
yako ngasemva kwako ezizukulwaneni  
zayo.

10 Lesi si yisivumelwano sami, pakati  
kwami nawe nenzalo yako emva kwako,  
eni ya kusigcina; ba ya kusokwa bo-  
nke abesilisa ba kini.

11 Ni ya kusoka inyama yejwabu le-  
nu; ku be upau lwesivumelwano pakati  
kwami nani.

12 U ya kusokwa lowo wa kini o nezinsuku ezishiyagalombili, bonke abesilisa ezizukulwaneni zenu, lowo ozalweyo endhlini, na lowo otengileweyo nge-mali kubafokazi bonke, e nge siyo inzalo yako.

13 U ya kusokwa nokusokwa yena o zalwe endhlini naye o tengwe ngemali yenu: isivumelwano sami si za kuba enyameni yenu, si be isivumelwano esi nga nqamukiyo.

14 Owesilisa o nga sokiwe, o nga soki inyama yejwabu lake, lomuntu u ya kukitywa kubantu ba kubo, weqe isivumelwano sami.

15 Wa ti uTixo kuAbrahama, uSarai umkako, a u yi ku biza igama lake ngokuti uSarai, kodwa igama lake li za kuba uSara.

16 Ngi ya kumbusisa, nangaye ngi za kukunika indodana: ngi ya kumbusisa, a be izizwe; amakosi abantu a za kulevela kuye.

17 Kona uAbrahama wa wa ngobuso bake, wa hleka, wa ti enhliziyweni yake, Yena o neminyaka e ikulu u za kuzala na? yena uSara, o neminyaka e mashumi ashiyagalolunye, u za kuza-na?

18 Wa ti uAbrahama kuTixo, Ku nga ti uIshmaeli a nga hamba pambi kwako.

19 Wa ti uTixo, Ngi qinisile, uSara umkako u ya kukuzalela indodana; u ya kubiza igama layo ngokuti uSaka: ngi ya kuqinisa isivumelwano sami naye, nezalo yake ngasemva kwake, si be isivumelwano esinganqamukiyo.

20 Futi ngi ku zwile ngaye uIshmaeli: bheka, ngi ya kumbusisa, ngandise inzalo yake i vame kakulu, amakosi a ishumi nambili a ya kuzalwa nye ngi ya kumenza a be isizwe esikulu.

21 Kepa ngi ya kuqinisa isivumelwano sami noIsaka, a za kukuzalela yena uSara ngesikati esitile ngonnyaka oza-yo.

22 Wa qeda ukukuluma naye, uTixo wa m shiya Abrahama wenyuka.

23 uAbrahama wa tabata uIshmaeli indodana yake, nabo bonke abazalwayo endhlini, nabo bonke abatengwayo nge-mali yake, abesilisa bonke emadodeni endhlu ka Abrahama, wa soka inyama yejwabu labo ngalolosuku njengokutyo kuka Tixo kuye.

24 uAbrahama wa e neminyaka e mashumi ashiyagalolunye nashiyagalo-

lunye, msukwana e sokwa enyameni yejwabu.

25 uIshmaeli indodana yake wa e neminyaka e ishumi nantatu msukwana e sokwa enyameni yejwabu.

26 Ngalolosuku wa sokwa uAbrahama, noIshmaeli indodana yake.

27 Abesilisa bonke bendhlu yake, abazalwayo endhlini, nabatengwayo nge-mali koweziwe, ba sokwa kanye naye.

ISAHLUKO 18.

UJEHOVA wa bonakala kuye emikobeni ka Mamre: wa e hlezi ngasemnyango wendhlu ngesikati sokufudumala kwemini:

2 Wa pakamisa amehlo ake wa buka, bheka, amadoda amatatu e mi pambi kwake: wa ti, ukuwabona, wesuka emnyango wendhlu wa gijima wa ya ukuwahlangabeza, wa kotama,

3 Wa ti, Nkosi yami, nxa ngi fumene umusa emehlweni ako, u nga dhluli inceku yako:

4 A ke ku letwe amanzi incozana, a ni geze izinyawo zenu, ni pumule pansi komuti:

5 Ngi za kuleta umtama wokudhla, ni tokozise izinhliziyi zenu, kona ni ya kudhlula: ngokuba ngaloku ni fike encekwini yenu. Ba ti, Yenza njengokutyo kwako.

6 uAbrahama wa gijima wa ya endhlini kuSara, wa ti, Tyetya u xove izilinganiso ezintatu zempupu, wenze izinkwa, u zi peke eziko.

7 uAbrahama wa gijima wa ya ezinkomeni, wa quba itole elitambileyo elihle, wa li nika umfana: wa tyetya wa li lungisa.

8 Wa tabata amasi, nobisi, netole, a be li lungisile, wa ku beka pambi kwabo; wema nabo pansi komuti, ba dhla.

9 Ba ti kuye, uSara umkako u pi na? Wa ti, Nangu endhlini.

10 Wa ti, Ngi qinisile ngi za kubuyela kuwe ukutwasa konyaka; bheka, uSara umkako u ya kuba nendodana. uSara wezwa, e semnyango wendhlu, o ngasemva kwake.

11 Kepa uAbrahama noSara ba be badala, be gugile; kwa ku nqamukile kuSara okwesifazana.

12 uSara wa hleka enhliziyweni yake, e ti, Loku se ngi gugile ngi za kuba nenjabulo na? nenkosi yami i si gugile?

13 Wa ti uJehova kuAbrahama, U

hlekeleni uSara, e ti, Imbala ngi za kuzala, ngi mdala na?

14 uJehova wahlulwa uto na? Ngesikati esitile ngi ya kubuyela kuwe, ukutwasa konyaka, uSara u za kuba nednodana.

15 Wa pika uSara, e ti, A ngi hlekangna; ngokuba wesaba. Wa ti, Qa; u hlekile.

16 A ti amadoda esuka kona, a kangelana ngaseSodoma: uAbrahama wa hamba nabo, wa ba pelekezela.

17 Wa ti uJehova, Ngii ya kumfihlela uAbrahama loku engi kwenzayo na?

18 Loku uAbrahama e za kuba isizwe esikulu esi namandhla impela, zi ya kubusiswa ngaye zonke izizwe zomhlaba.

19 Ngokuba ngi ya m azi u ya kubayala abantwana bake, nendhlu yake ngasemva kwake, ba geine indhlela ka Jehova, benze okulungileyo neqiniso; ukuba uJehova a m enzele uAbrahama loko a ku tyilo kuye.

20 Wa ti uJehova, Ngokuba ukukala kwa seSodoma nokwa seGomora ku kulu, nangokuba izono zabo zi nzima, zi yesabeka;

21 Ngii ya kwehla, ngi bone ukuba benzile impela njengokukala kwako, oku fike kimi; uma ku nge njalo ngi ya kubona.

22 A ti amadoda a fulatela kona, a ya ngaseSodoma: kepa uAbrahama wa e se ni pambi kuka Jehova.

23 uAbrahama wa sondela, wa ti, U ya kububisa abalungileyo kanye nabangalungile na?

24 Nxa be kona pakati komuzi aba amashumi amahlanu abalungileyo: imbala u ya kububisa, u nga teteleli indawo ngenxa yabalungileyo aba amashumi amahlanu pakati kwayo na?

25 A ku nga bi ko kuwe ukwenza njalo, ukububisa abalungileyo kanye nabangalungile; a ku nga bi ko kuwe ukuba abalungileyo ba be njengabangalungile: Umahluli wezwe lonke a ka yi kwenza okulungileyo na?

26 Wa ti uJehova, Uma ngi fumana eSodoma abalungileyo aba amashumi amahlanu pakati komuzi, ngi ya kutetelela indawo yonke ngenxa yabo.

27 uAbrahama wa pendula wa ti, A ku bheke, ngi qalile ukukuluma neNkosi yami, mina engi utuli nomlota:

28 Mhlaumbe ku sweleke abahlanu kubo abalungileyo aba amashumi amahlanu: u ya kububisa umuzi wonke ngo-

kuswela abahlanu na? Wa ti, A ngi yi kububisa, uma ngi fumana kona aba amashumi amane nahlanu.

29 Wa'buya wa kuluma naye futi, wa ti, Mhlaumbe ku funyaniswa kona aba amashumi amane. Wa ti, A ngi yi ku kwenza ngenxa yabamashumi amane.

30 Wa ti, A ke i nga tukuteli Inkosi yami, ngi za kukuluma: Mhlaumbe be funyaniswa kona aba amashumi amata-tu. Wa ti, A ngi yi kukwenza uma ngi fumana aba mashumi amatatu.

31 Wa ti, A ku bheke, ngi qalile ukukuluma neNkosi: Mhlaumbe be funyaniswa kona aba amashumi amabili. Wa ti, A ngi yi kuububisa ngenxa yabamashumi ahabili.

32 Wa ti, A ke i nga tukuteli Inkosi yami, ngi za kukuluma kanye kupela: Mhlaumbe ku funyanwa kona aba ishumi. Wa ti, A ngi yi kuububisa ngenxa yaba ishumi.

33 Wesuka uJehova, e se qedile ukukuluma noAbrahama: naye uAbrahama wa buyela endaweni yake.

#### ISAHLUKO 19.

**K**U te se ku hlwile kwa fika eSodoma izitunywa ezimbili; uLoti wa e hlezi esangweni la seSodoma: uLoti, e zi bona, wesuka wa ya ukuzihlangabeza; wa kotama bu bheka pansu ubuso bake.

2 Wa ti, Bhekanike makosi ami, a ke ni pambuke, ni ngene endhlini yenceku yenu, ni hlale ubusuku, ni geze izinyawo zenu; ni ya kuvuka kusasa, ni ye endheleni yenu. Za ti, Qa, si ya kuhlala endheleni.

3 Wa zi neenga kakulu, kona za pambukela kuye, za ngena endhlini yake; wa zenzela ukudhla, wa peka isinkwa esi nga kukumele, za dhla.

4 Kwa ti, zi nga ka lali, abantu bomuzi, abantu ba seSodoma, ba haqa indhlu, abatya nabadala, bonke abantu be vela inxa zonke:

5 Ba m memeza uLoti, ba ti kuye, A pi lawa madoda a ngene kuwe ngalobubusuku na? si pumisele wona ukuba si wazi.

6 uLoti wa pumela kubo ngasemnyango, wa vala umnyango ngasemva kwake,

7 Wa ti, Bafu wetu, ake ni ngoni kangaka.

8 Bhekanike, ngi namadodakazi amabili, a nga bonanga e yazi indoda; ake ngi ni pumisele wona, neze kuwo ngo-

kufanele emehlweni enu: kepa ku lawamadoda ni ngenzi luto; ngokuba beza ngaloko emtunzini wendhlu yami.

9 Ba ti, Suka. Ba ti, Loniuntu weza ukwaka, u ya kubusa nokubusa: Se si ya kuhlupa wena kakulu ku nabo. Ba m cindezela lowo muntu, uLoti, ba sondela ukwapula umyango.

10 Kona amadoda a zelula izandhla zawo, a ngenisa uLoti kuwo endhlini, a vala umnyango.

11 A ba tyaya abantu aba semnyango wendhlu abancinyane nabakulu ngobumpumputi; ba katazeka ngokufuna umnyango.

12 A ti amadoda kuLoti, U nobani futi lapa na? unkwenyana, namadodana ako, namadodakazi ako, nabo bonke abako, aba kona ba pumese ku lendawo:

13 Ngokuba si ya kububisa lendawo, ngokuba ukukala kwabo ku kulu ebusweni buka Jehova; uJehova u si tumile ukuba si i bubise.

14 uLoti wa puma, wa kuluma nabakwenyana bake aba be tabatile amadodakazi ake, wa ti, Sukani, ni pume ku lendawo: ngokuba uJehova u ya kububisa lomuzi. Wa e njengoqangayo emehlweni abakwenyana bake.

15 Se ku sile izitunywa za m tyetyisa uLoti, za ti, Suka, u tabate umkako, namadodakazi ako amabili, a funyanisiwe, funa u bujiswe ebubini bomuzi.

16 E sa libala, amadoda a bamba isandhla sake, nesandhla somkake, nesandhla samadodakazi amabili ake; uJehova e m haukela a m pumesa a m beka ngapandhle komuzi.

17 A ti e se ba pumisile ngapandhle, wa ti, Baleka u sinde: u nga bheki emva kwako, u ngemi etafeni lonke; balekela entabeni, funa u bujiswe.

18 Wa ti kuwo uLoti, A ke ku nga bi njalo, Nkosi yami.

19 A ku bheke, inceku yako i zuze umusa emehlweni ako, u kulisile ububele bako, o ngenzele bona ngokungisindisa; ngi nge balekele entabeni, funa ngehlelewe ububi ngi fe.

20 Bhekake, lomuzi u seduze ukuba ngi balekele kuwo, mcinyane: a ke ngi catye kona, ngi sinde; a umcinyane na?

21 Wa ti kuye, Bheka, ngi ku vumela ngalento, a ngi yi kububisa lomuzi o kulume ngawo.

22 Tyetya, u balekele kuwo, ngokuba

ngi ngenze luto u nga ka fiki kona. Ngaloko igama lomuzi la tiwa iZora.

23 Ilanga la se li pumile ezweni lapo uLoti wa ngena eZora.

24 Kona uJehova wa nisa pezu kweSodoma na pezu kweGomora usolufa nomlilo, ku vela kuJehova ezulwini:

25 Wa cita leyomizi netafa lonke, nabo bonke abakile emizini, naloko okuhlumayo emhlabatini.

26 Kepa umkake wa bheka emva kwake, wa ba insika ka sawoti.

27 uAbrahama wesuka ekuseni, wa ya ku lendawo lapo wema kona ebusweni buka Jehova:

28 Wa bheka ngaseSodoma neGomora, na ngasezweni lonke letafa, wa buka, bheka, senyuka isisi sezwe njengesisi seziko.

29 Kwa ti, msukwana uTixo e bubisa imizi yetafa, uTixo wa kumbula uAbrahama, wa mukisa uLoti ekucitekeni msukwana e bubisa imizi a be hlezi kuwo uLoti.

30 uLoti wa kupuka eZora, wa hlala entabeni, namadodakazi ake amabili naye; ngokuba wesaba ukuhlala eZora, wa hlala emhumbeni, yena namadodakazi ake amabili.

31 Ya ti inkosazana koyelamayo, ubaba u se mdala, a i ko indoda ezweni yokungena kitina njengemikuba yezwe lonke:

32 A ke si m puzise ubaba iwaini, si lala naye ukuba si londe imbeu e vela kubaba.

33 Ngalobobusuku ba m puzisa uyise iwaini; omkulu wangena, wa lala noyise; wa e ngazi ukulala kwake nokuvuka kwake.

34 Kwa ti ngangomso omkulu wa ti komcinyane, Bheka, nga lala nobaba izolo: a si buye si m puzise iwaini ngalobobusuku; ngena wena, u lala naye, ukuba si londe imbeu e vela kubaba.

35 Ba m puzisa uyise iwaini na ngalobobusuku: we suka omcinyane wa lala naye; wa e ngazi ukulala kwake nokuvuka kwake.

36 Njaloke amadodakazi ka Loti omabili a kuleliswa uyise.

37 Enkulu ya zala indodana, ya qamba igama layo uMoabi: lowo u nguyise wabaMoabi ku ze ku be namhla.

38 Nayo encinyane ya zala indodana, ya qamba igama layo ngokuti uBenami: lo u nguyise wabantwana baka Amoni ku ze ku be namhla.

## ISAHLUKO 20.

UABRAHAMA wesuka kona, wa yagasezweni laseningizimu, waka pakati kweKadeshi neShuri, wa hlala eGerari.

2 Wa ti uAbrahama ngaye uSara Umkake, Lo u ngudade wetu: uAbimeleki inkosi ya seGerari, wa tuma, wa m tabata uSara.

3 Kepa uTixo weza kuAbimeleki ekupupeni ebusuku, wa ti kuye, Bheka, u su file ngenxa yomfazi o m tabatileyo; u ganile endodeni.

4 Kepa uAbimeleki wa e nga ka sondeli kuye: Wa ti, Nkosi, u ya kusibubisa isizwe esilungileyo na?

5 A ka tyongo kimi ukuti, Lo u ngudade wetu na? naye wa ti, Lo u ngumne wetu: ngobuqoto behliziyo yami, nangobumbhlope bezandhla zami, ngi kwezile loku.

6 Wa ti uTixo kuye ekupupeni, Ngizazi, u kwenze loku ngobuqoto behliziyo yako; nga ku vimbela mina ukuba u ngoni kimi: ngaloka a ngi ku vumelana ngokuba ukuba u m pate.

7 Kaloku m buyisele ku lomuntu umkake; ngokuba u ngumazisi, u ya kukukulekela, u sinde, kodwa uma u nga m buyisele, yazi u za kufa nokufa, wena nabo bonke abako.

8 uAbimeleki wa vuka ekuseni, wa biza zonke izinceku zake, wa shumayela lezizindaba zonke ezindhlebeni zazo: abantu besaba kakulu.

9 Kona uAbimeleki wa biza uAbrahama, wa ti kuye, Wenzeni kitina na? ngoneni kuwe, u tele icala elikulu kimina nasembusweni wami ngani na? u ngenzele okungafanele u kwenziwa.

10 Wa ti uAbimeleki kuAbrahama, u boneni, wenzeleni loku na?

11 Wa ti uAbrahama, Ngokuba be ngi ti, Impela ukwesaba uTixo a ku ko ku leudawo; nga ti, ba ya kungibulala ngenxa yomkami.

12 Kepake ngi qinisile, u udade wetu; u indodakazi ka baba, kodwa a siyo indodakazi ka mame; wa ba umkami.

13 Kwa ti, uTixo e se ngedukise endhlini ka baba, nga ti kuye, Loku ku umusa, o za ku ngenzela wona; ezindaweni zonke esi ya kufika kuzo, yityo ngami, ukuti Lo u umne wetu.

14 uAbimeleki wa tabata izimvu nezinkomo, nezinceku, nezincekukazi, wa zi pa kuye uAbrahama, wa m buyisela uSara umkake.

15 Wa ti uAbimeleki, Bheka, izwe lami li sebusweni bako: yaka lapo u tunda kona.

16 Wa ti kuSara, Bheka, ngi m nikile umne wenu *amashekeli* esiliva a inkulungwane: bheka, a ku be kuwe isisibekelo samehlo kubo bonke aba nawe, nakwabanye bonke: wa tetiswa kanjalo.

17 uAbrahama wa kuleka kuTixo: uTixo wa m pilisa uAbimeleki, nomkake, nezincekukazi zake; ba zala.

18 Ngokuba uJehova wa e vimbe impela zonke izisu zendhlu ka Abimeleki ngenxa ka Sara umka Abrahama.

## ISAHLUKO 21.

UJEHOVA wa kumbula uSara njengokutyzo kwake, wenza uJehova kuSara njengezwi lake.

2 uSara wa kulelwa, wa m zalela uAbrahama indodana e se mdala, ngesikati esitile, uTixo a be si tyilo kuye.

3 uAbrahama wa qamba igama lendodana yake e be m zalelwe, a be m zaleleyona uSara, ukuti uIsaka.

4 uAbrahama wa m soka uIsaka indodana yake i si nezinsuku ezishiyagalombili, njengaloko e be m yalile uTixo.

5 uAbrahama wa e neminyaka e ikulu, msukwana e m zalelwa uIsaka indodana yake.

6 Wa ti uSara, uTixo u ngenzile ukuba ngi hleke, bonke abezwayo ba ya kuhleka nani.

7 Wa ti, Ubani o be nga tyo kuAbrahama ukuti, uSara u ya kuncelisa abantwana na? ngokuba ngi m zalele indodana e se mdala.

8 Umntwana wa kula, wa lunyulwa: uAbrahama wenza isidhlo esikulu msukwana e lunyulwa uIsaka.

9 uSara wa bona indodana ka Hagari wa sEgipite a be i zalele uAbrahama, i hleka.

10 Wa ti kuAbrahama, Si xotyxe lesisigqilikazi nendodana yaso: ngokuba indodana ya lesisigqilikazi a i yi kudhla ifa kanye nendodana yami, uIsaka.

11 Loko kwa ba nqala kakulu kuAbrahama ngenxa yendodana yake.

12 Wa ti uTixo kuAbrahama, A ku nga bi nqala kuwe ngenxa yomfana na ngenxa yesigqilikazi sako; kuko konke a ku tyilo uSara kuwe lalela izwi lake; ngokuba ngaye uIsaka i ya kubizwa inzalo yako.

13 Nayo indodana yesigqilikazi, ngi

za kuyenza i be isizwe, ngokuba i inzalo yako.

14 uAbrahama wa vuka ekuseni, wa tabata ukudhla, nesigubu samanzi, wa si nika uHagari, e si beka ehlombe lake, nomntwana, wa m mukisa: wemuka, wa zula ehlane la seBereshaba.

15 Amanzi a pela esigujini, wa m beka umntwana pansi komuti.

16 Wa ya wa hlala ngapambi kwake, ku katyana kungati ibanga lokuponsa umeibityelo: ngokuba wa ti, Ma ngi nga boni ukufa komntwana. Wa hlala ngapambili, wa kala wa dazuluka.

17 uTixo wezwa izwi lomntwana; isitunywa sika Tixo sa memeza uHagari, si sezulwini, sa ti kuye, Hagari, u nani na? u ngesabi; ngokuba uTixo u zwile izwi lomntwana lapo e kona.

18 Suka, u pakamise umntwana, u m bambe ngesandhla sako; ngokuba ngi ya kumenza a be isizwe esikulu.

19 uTixo wa vula amehlo ake, wa bona umtombi wamanzi, wa ya wa gewalisa isigubu ngamanzi, wa m puzisa umntwana.

20 uTixo wa e nomntwana, wa kula, wa hlala ehlane, wa pata umeibityelo.

21 Wa hlala ehlane la seParani: unina wa m tabatela umfazi ezweni la sEgipite.

22 Kwa ti ngalesosikati, uAbimeleki, noFikole induna yempi yake, ba kuluma kuAbrahama, be ti, uTixo u nawe ngako konke o kwenzayo:

23 A ku funge kimi kona lapo uTixo ukuti, a ku yi kungikohlisa, mina, nenzalo yami: kepa njengomusa engi kwenzele wona, u ya kungenzela wona, nezwe o be u hlezi kulo.

24 Wa ti uAbrahama, Ngi ya kufunga.

25 uAbrahama wa m sola uAbimeleki ngomtombi wamanzi, e be zi wu pangile izinecku zika Abimeleki.

26 Wa ti uAbimeleki, A ngazi ukuba kwenziwa ubani loko: a u ngi tyelanga wena, nami angu zwanga ku ze ku be namhla.

27 uAbrahama wa tabata izimvu nezinkomo, wa zi pa uAbimeleki, benza isivumelwano bobabili.

28 uAbrahama wa beka amavukazana a isikombisa omhlambi odwa.

29 Wa ti uAbimeleki kuAbrahama, Lawa amavukazana a isikombisa o wa bekile odwa a yini na?

30 Wa ti, Lawa amavukazana a isiko-

mbisa u ya kuwa tabata esandhleni sami a be ufakazi wami ukuti, ngi wumbile lomtombo.

31 Ngaloko wa qamba lendawo iBereshaba: ngokuba ba funga kona bobabili.

32 Njaloke, ba senza isivumelwano eBereshaba: kona wesuka uAbimeleki, noFikole induna yempi yake, ba buyela ezweni lamaFilisti.

33 uAbrahama wa tyala ihlati eBereshaba, wa li bonga kona igama lika Jehova, uTixo o hleziyo pakade.

34 uAbrahama wa hlala ezweni lamaFilisti izinsuku za ba zi ningi.

## ISAHLUKO 22.

**K**WA ti ngasemva kwa lezizinto, uTixo wa m linga uAbrahama, wa ti kuye, Abrahama: wa ti, Ngi lapa.

2 Wa ti, A ku tabate indodana yako, e yodwa, uIsaka, o m tandayo, u ye ezweni la seMoria; u m nikele kona, a be umnikelo wokutya entabeni etile, engi za kukutyela yona.

3 uAbrahama wa vuka ekuseni, wa bopela injomane yake, wa zi tabata izinecku zake ezimbili, noIsaka indodana yake, wa bandela umnikelo wokutya izinkuni, wesuka, wa ya endaweni uTixo a be m tyelile yona.

4 Ngosuku lwesitatu uAbrahama wa pakamisa amehlo ake, wa bona indawo i katyana.

5 Wa ti uAbrahama kuzo izinecku zake, Hlalani lapa nenjomane; si za kuya lapaya, mina nomfana, si kuleke, si buye si ze kini.

6 uAbrahama wa tabata izinkuni zomnikelo wokutya, wa zi beka pezu kuka Isaka indodana yake, wa tabata esandhleni sake umlilo nomese; ba hamba bobabili kanye.

7 uIsaka wa kuluma ku Abrahama uyise, wa ti, Baba: wa ti, Ngi lapa, ndodana yami. Wa ti, Nangu umlilo nezinkuni: po, li pi iundhlu lomnikelo wokutya na?

8 Wa ti uAbrahama, Nnodana yami, uTixo u ya kuzibonela iundhlu lomnikelo wokutya: ba hamba bobabili kanye.

9 Ba fika endaweni a be m tyelile yona uTixo: uAbrahama wa laka kona ilati, wa lungisa izinkuni, wa m bopa uIsaka indodana yake, wa m beka elatini pezu kwezinkuni.

10 uAbrahama wa solula isandhla sa-

ke, wa tabata umese ukuba a hlabe indodana yake.

11 Sa ti isitunywa sika Jehova sa m memeza si sezulwini, sa ti, Abrahamama, Abrahamama: wa ti, Ngi lapa.

12 Sa ti, U nga beki isandhla sako kumfana, u ngenzi luto kuye: ngokuba manje ngi ya kwazi u ya m esaba uTixo, loku u nga ngi nqabelanga nendodana yako, e yodwa.

13 uAbrahama wa pakamisa amehlo ake, wa bona, bheka, inqama ngasemva kwake, i banjiwe esihlahleni ngezimpindo zayo: uAbrahama wa ya wa tabata inqama, wa i nikela, i be umnikelo wokutya esikundhleni sendodana yake.

14 uAbrahama wa qamba igama la leyo ndawo uJehovajira: njengaloku ku sa tyiwo namhla, ukuti, Entabeni uJehova ku za kubonwa.

15 Sa ti isitunywa sika Jehova sa buye sa memeza uAbrahama si sezulwini.

16 Sa ti, Ngi zifungile, u tyo uJehova, ngokuba u kwenzile loku, u nga ngi nqabelanga nendodana yako, e yodwa:

17 Ngi ya kukubusisa nokubusisa, ngi yandise nokwandisa inzalo yako, i be ngangezinkanyezi zezulu, na ngangeshlabati esi sosebeni lolwandhle; inzalo yako i za kudhla isango lezita zayo.

18 Nangenzalo yako zi za kubusiswa izizwe zonke zomhlaba, ngokuba u lalele izwi lami.

19 Kwa ti uAbrahama wa buyela ku zo izineku zake, besuka ba ya kanye eBeresebe; uAbrahama wa hlala eBeresebe.

20 Kwa ti ngasemva kwaloko kwa tyiwo kuAbrahama ukuti, Bheka, uMilka u m zalele uNahori umfo wenu abantwana:

21 uHuze izibulo lake, noBuzi umne wake, noKemule uyise ka Aramu,

22 NoKesede, noHazo, noPildashi, noJidlafe, noBetule;

23 uBetule wa zala uRebeka: laba abashiyagalombili uMilka wa zalela uNahori, umfo wabo kaAbrahama.

24 Nomfazi wake, ogama lake la li nguRuma, naye wa zala uTeba, noGahamu, noTahashi, noMaka.

### ISAHLUKO 23.

USARA wa e neminyaka e ikulu namashumi amabili nesikombisa: leyo ya iminyaka yokuhamba kuka Sara.

2 Wa fa uSara eKirjataba, okuti eHe-

broni ezweni la seKenani: weza uAbrahama ukumkalela uSara, nokumlilela.

3 uAbrahama wesuka pambi kofileyo wake, wa kuluma namadodana ka Heti, e ti,

4 Ngi ngumfokazi nomhambuma pakati kwenu: ngi peni indawo yokumbela pakati kwenu, ukuba ngi mbele ofileyo wami, a nga bi ko emehlweni ami.

5 Amadodana ka Heti a m pendula uAbrahama, e ti kuye,

6 Si zwe, nkosi yetu: u inkosi enkulu pakati kwetu: a u mbele ofileyo wako kwelihle kuwo onke amafipa etu; a ku ko muntu kiti o za kunqabela nefa lake, ukuba u nga mbeli ofileyo wako.

7 uAbrahama wesuka, wa kotamela ebantwini bezwe, emadodeni ka Heti.

8 Wa kuluma nabo, e ti, Uma ku intando yenu ukuba ngi mbele ofileyo wami a nga bi ko emehlweni ami; ngi zweni, ni ngi ncengele kuEfroni indodana ka Zohari,

9 Ukuba a ngi pe umhume wa seMakepela, a nawo emkaulweni wezwe lake: u ya kungipa ngemali e lingene nawo, u be owami wokumbela pakati kwenu.

10 uEfroni wa e hlezi pakati kwamadodana ka Heti: uEfroni umHeti wa m pendula uAbrahama ezindhlebeni zamadodana ka Heti, pambi kwabo bonke aba ngena esangweni lomuzi wake, e ti,

11 Ai, nkosi yami, ngi zwe: lelolizwe ngi ku nika lona, nomhume o kulo, ngi ku nika wona; emehlweni amadodana abantu bami ngi ku nika kona: u mbele ofileyo wako.

12 uAbrahama wa kotama ebusweni babantu bezwe.

13 Wa kuluma kuEfroni ezindhlebeni zabantu bezwe, e ti, Kodwa a ku ngi zwe: ngi ya kukunika imali ngezwe; u i tabate kimi, ngi za kumbela kona ofileyo wami.

14 uEfroni wa m pendula uAbrahama, e ti kuye,

15 Nkosi yami, ngi zwe: izwe li lingene namashekeli esiliva a amakulu amane; ku ini loko pakati kwami nawe na? mbela ofileyo wako.

16 uAbrahama wa lalala uEfroni; uAbrahama wa m linganisela uEfroni isiliva, a be li tyilo ezindhlebeni zamadodana ka Heti, amashekeli esiliva a amakulu amane, eli lingeneyo kubatengi.

17 Kwa ti izwe lika Efroni, ela seMa-

kepela, ngapambi kweMamre, izwe, nonhume owa u kulo, nemiti yonke e ya i sezweni, emikaulweni yonke, inxa zonke, kwa m qiniselwa.

18 KuAbrahama ku be okwake, emehlweni amadodana ka Heti, pambi kwabo bonke aba ngena esangweni lomuzi wake.

19 Ngasemva kwaloko uAbrahama wa mbela uSara umkake emhumeni wa sezweni la seMakepela pambi kweMamre, okuti, iHebroui ezweni la seKenani.

20 La ti izwe, nomhume walo, kwa m qiniselwa uAbrahama iwo amadodana ka Heti, li be elake lokumbela.

ISAHLUKO 24.

UABRAHAMA wa e mdala, e neminyaka eminingi: uJehova wa e m busisile uAbrahama ngako konke.

2 Wa ti uAbrahama incekwini yake enkulu yendhlilo yake, e ya i ngumbusi wako konke a e nako, A ku beke isandhla sako pansi kwetanga lami be:

3 Ngi ya kukufungisa uJehova, uTixo wezulu, uTixo womhlaba, ukuba u nga i tabateli indodana yami umfazi kumadodakazi abaseKenani, engi hlezi pakati kwabo:

4 Kodwa u ya kuya ezweni la kiti, nasezihlotyeni zami, u i tabatele indodana yami uIsaka umfazi.

5 Ya ti incekukuyi, ingabe intombi i nge vume ukungilandela i ze ezweni leli: imbala ngi ya kuyiyisa indodana yako ezweni owa vela kulo, ini na?

6 Wa ti uAbrahama kuyo, Qapela u nga yi yisa kona indodana yami.

7 uJehova, uTixo wezulu, owa ngi tabata endhlini ka baba, na sezweni lokuzalwa kwami, owa kuluma, wa funga kimi, e ti, Inzalo yako ngi ya kuinika lelizwe; u ya kutuma isitunywa sake pambi kwako, wo tabatela indodana yami umfazi kona.

8 Noma intombi i nga vumi ukukulandela, kona ku ya kuti u nga bi nacala ngalesisifungo sako: kepa u nga yi yisi kona indodana yami.

9 Ya ti incekukuyi ya beka isandhla sayo pansi kwetanga lika Abrahama inkosi yayo, ya funga kuye ngaleyonto.

10 Incekukuyi ya tabata amakamelo a ishumi emakamelweni enkosi yayo, yemuka; izinto zonke zenkosi yayo za zi sesandhleni sayo: yesuka, ya ya eMesopotami, emzini ka Nahori.

11 Ya guqisa amakamelo ayo ngapandhle komuzi ngasemtonjeni wamanzi, matambama, ngesikati sokupuma kwa-besifazana be ya kuka amanzi.

12 Ya ti, Jehova, Tixo wenkosi yami uAbrahama, a ku ngi size namhla, u yenzele umusa inkosi yami uAbrahama.

13 Bheka, ngi mi emtonjeni wamanzi; amantombazana abantu bomuzi a puma ukuka amanzi:

14 Ma ku ti, intombazana engi za kutyo kuyo ukuti, A ke wetule isitya sako, ngi puze; i ti, Puza, ngi za kuwapuzisa nawo amakamelo ako: *ma ku ti*, i be iyo o i miseleyo incekukuyi yako uIsaka: ngaloko ngi ya kwazi ukuti, u yenzele inkosi yami umusa.

15 Kwa ti, i nga ka qedi ukukuluma, bheka, kwa puma uRebeka owa zalwa uBetuli, indodana ka Milka, umka Nahori, umfo wabo ka Abrahama, e twele isitya sake ehlonbe lake.

16 Intombazana ya inhle i bukeka, ya intombi, i ngaziwa indoda: yehlela emtonjeni, ya gwalisa isitya sayo yenyuka.

17 Incekukuyi ya gijima ya ya ukuihlangabeza, ya ti, A ku ngi puzise incozana amanzi esityeni sako.

18 Ya ti, Puza, nkosi yami: ya tyetya, yetula isitya sayo esandhleni sayo, ya i puzisa.

19 Se i qedile ukuipuzisa, ya ti, Ngi za kuwakela nawo amakamelo ako, a ze a gede ukupuza.

20 Ya tyetya, ya tululela isitya sayo emqengqeni, ya gijima, ya ya emtonjeni futi ukuka, yakelela amakamelo onke ake.

21 Umuntu e i bhekisisa, wa tula, ukuba a bone uma uJehova u busisile ukuhamba kwake, ini na.

22 Kwa ti, se e qedile ukupuza amakamelo, umuntu wa i tabatela iqele legolide, isilinganiso salo sa si inxenye yeshekali, namasongo amabili ezandhla zayo, isilinganiso sawo sa si ngamashekeli egolide a ishumi;

23 Wa ti, U yindodakazi ka bani na? A ku ngi tyele: i kona indawo endhlini ka yihlo ukuba si lule na?

24 Ya ti kuye, Ngi indodakazi ka Betuli, indodana ka Milka, a m zalala yona uNahori.

25 Ya ti kuye futi, Si notyani nefolishi eliningi, nayo indawo yokulala.

26 Umuntu wa guqa, wa kotama pambi kuka Jehova.



27 Wa ti, A ku bongwe uJehova, uTixo wenkosi yami uAbrahama, o nga yekile ukwenzela inkosi yami umusa neqiniso: uJehova u ngi hole endhleleni wa ngi yisa endhlini yezihlobo zenkosi yami.

28 Intombazana ya gijima, ya bika endhlini ka nina lezi ziudaba.

29 uRebeka wa e nomne wabo, igama lake la li nguLabani: uLabani wa gijima wa ya ngapandhle kumuntu, ngasemtonjeni.

30 Kwa ti, se e bonile iqele namasongo ezandhleri zika dade wabo, e zwe amazwi ka Rebeka udade wabo, e ti, U tyo njalo umuntu kimi; wa ya kumuntu; bheka wa e mi emakamelweni ngasemtonjeni.

31 Wa ti, Ngena, wena obusisiwe uJehova; u meleni ngapandhle na? ngi lungisile indhlu, nendawo yamakamelo.

32 Umuntu wa ngena endhlini: wa kumula amakamelo ake, wa nika amakamelo utyani nefolishi, namanzi okugeza izinyawo zake, nezinyawo zabantu aba be naye.

33 Kwa bekwa pambi kwake ukudhla ukuba a dhle kepa wa ti, A ngi yi kudhla, ngi nga ka biki indaba yami. Wa ti, Kuluma.

34 Wa ti ngi incekukazi ka Abrahama.

35 uJehova u i busisile kakulu inkosi yami; i kulile: u i nikile izimvu, nezinkomo, nesiliva, negolide, nezinceku, nezincekukazi, namakamelo, nezinjomanane.

36 uSara umka nkosi yami, e semdala, wa i zalela inkosi yami indodana: i nikele kuyo konke e nako.

37 Ya ngi fungisa inkosi yami, i ti, U nga tabatele indodana yami umfazi emadodakazini a seKanani, engi hlezi ezweni labo:

38 U ya kuya endhlini ka baba, na sezihlotyeni zami, u i tabatele indodana yami umfazi.

39 Nga ti enkosini yami, Ingabe intombazana i nge ngi landele.

40 Ya ti kimi, uJehova, engi hamba ebusweni bake, u ya kutuma isitunywa sake nawe, a busise nkuhamba kwako; u ya kutabatele indodana yami umfazi ezihlotyeni zami, endhlini ka baba.

41 Kona ku ya kuti, u ngi bi nacala ekukufungiseni kwami, uma u fika ezihlotyeni zami; noma be nga ku niki, ku ya kuti, u ngi bi nacala ekukufungiseni kwami.

42 Ngeza emtonjeni namhla, nga ti, Jehova uTixo wenkosi yami uAbrahama, nxa u ngi busisa endhleleni engi hamba ngayo:

43 Bheka, ngi mi emtonjeni wamanzi; ku ya kuti, uma intombazana i puma ukuka amanzi, ngi ti kuyo, A ku ngi puzise incozana amanzi esityeni sako,

44 I ti kimi, puza wena, ngi za kuwakelela nawo amakamelo ako: ma ku be iyo intombazana, uJehova a i miseleyo indodana yenkosi yami.

45 Kwa ti ngi nga ka qedi ukukuluma enhliziyweni yami, bheka, uRebeka wa puma e twele isitya sake ehloambe lake; wehlela emtonjeni waka amanzi: nga ti kuye, A ku ngi puzise.

46 Wa tyetya, wetula isitya sake ehloambe lake, wa ti, Puza; ngi ya kuwapuzisa nawo amakamelo ako: nga puza, wa puzisa nawo amakamelo.

47 Nga m buza nga ti, U indodakazi ka bani na? Wa ti, indodakazi ka Betuli, indodana ka Nahori, a m zalela yona uMilka: nga faka iqele ebusweni bake, namasongo ezandhleri zake.

48 Nga guqa, nga kotama pambi kuka Jehova, nga m bonga uJehova uTixo wenkosi yami uAbrahama, o be ngi kombisile indhlela elungileyo ukuba ngi tabatele indodakazi yomfo wabo wenkosi yami, i be umka ndodana yayo.

49 Kaloku uma ni tanda ukuyenzela inkosi yami umusa neqiniso ngi tyeleli; noma ku nge njalo ngi tyeleni; ukuba ngi penduke ngi ye ngakwesokunene na ngakwesokohlo.

50 Kona uLabani noBetuli ba pendula ba ti, I vela kuJehova lento: si nge kulume kuwe okubi nokuhle.

51 Bheka, uRebeka u sebusweni bako, m tabate, u hambe, u za kuba umka ndodana yenkosi yako, njengaloko a ku tyoyo uJehova.

52 Ya ti ukuzwa amazwi abo, incekukazi ka Abrahama ya kotama pansu pambi kuka Jehova.

53 Incekukazi ya veza izinto zesiliva, nezinto zegolide, nezingubo, ya zi nika uRebeka: ya ba pa umne wabo nonina izinto ezinhle.

54 Ba dhla, ba puza, yona nabantu aba be nayo, ba hlala ubusuku; bonke ba vuka kusasa, ya ti, ngi mukiseni, ngi ye enkosini yami.

55 Umne wabo nonina ba ti, A ke i hlale nati intombazana izinsuku, mhla-

umbi zi be ishumi; emva kwaloko i ya kuhamba.

56 Ya ti kubo, ni nga ngi libazisi, loku uJehova u busisile ukuhamba kwami; ngi mukiseni ukuba ngi ye enkosini yami.

57 Ba ti, si za kubiza intombazana, si buze emlonyeni wayo.

58 Ba m biza uRebeka, ba ti kuye, U za kuhamba na lomuntu na? Wa ti, Ngi za kuhamba.

59 Kona ba mukisa uRebeka udade wabo, nomzanyana wake, nenceku ka Abrahamana nabantu bayo.

60 Ba m busisa uRebeka, ba ti kuye, U udade wetu wena, ma u be aba izinkulungwane zamatye, inzalo yako a i dhle isango labaizondayo.

61 Wesuka uRebeka namantombazana ake, ka kwela amakamelo ba m landela umuntu: Ineeuku ya m tabata uRebeka, yemuka.

62 uIsaka wa e za ngendhlela ya semtonjeni wa seLahairoi: Ngokuba wa e hlala ezweni la seningizimu.

63 uIsaka wa puma matambama wa ya ukuqonda ngasendhle; wa pakamisa amehlo ake, wa kangela, bheka, amakamelo e za.

64 uRebeka wa pakamisa amehlo ake, wa m bona uIsaka, wehla ekamelweni.

65 Wa ti encekwini, Ubani lomuntu o hamba endhle ukusihlangabeza na? Ya ti inceku, U inkosi yami: Wa tabata indwangu, wa zigubuzela.

66 Ineeuku ya m tyela uIsaka konke e bi kwenzile.

67 uIsaka wa m ngenisa endhlini ka Sara unina, wa tabata uRebeka, wa ba umkake; wa m tanda: uIsaka wa duduzeka emva kokufa kuka nina.

### ISAHLUKO 25.

**U**ABRAHAMA wa pinda wa tabata unfazi, igama lake la li nguKetura.

2 Wa m zalela uZimrani, noJokishani, noMedani, noMidiani, noIshibaki, noShua.

3 uJokishani wa zala uSheba, noDedani. Amadodana ka Dedana a be uAshurimi, noLetushimi, noLumimi.

4 Amadodana ka Midiani a be uEfa, noEfera, noHanoki, noAbida, noElda. Onke lawo a ngamadodana ka Ketura.

5 uAbrahama wa m nika uIsaka konke okwake.

6 Namadodana esitembu sika Abrahamana, uAbrahama wa wa nika izinto, wa

wa mukisa kuIsaka, indodana yake, e se kona yena, a ye ngasempumalanga, ezweni la sempumalanga.

7 Lezi zi izinsuku zeminyaka yokuhamba kuka Abrahamana, a zi hambayo, iminyaka e ikulu namashumi a kombisa a nesihlanu.

8 uAbrahama wa gqabuka, wa fa e se mdala, e ixegu, e se kolive; welekelwa kubantu bake.

9 A ti amadodana ake, uIsaka noIshmaeli, a m mbela emhumeni wa seMakpela, ezweni lika Efroni, indodana ka Zohara, umHiti, eli ngapambi kwa seManre;

10 Lelozwe uAbrahama a li tenga kubo amadodana ka Heti: kwa mbelwa kona uAbrahama noSara umkake.

11 Kwa ti emva kokufa kuka Abrahamana, uTixo wa m busisa uIsaka indodana yake; uIsaka wa hlala ngasemtonjeni wa seLahairoi.

12 Loku ku inzalo ka Ishmaeli, indodana ka Abrahamana, uHagari wa seEgipite, ineekekazi ka Sara, a m zalela yena uAbrahama.

13 Lawa a ngamabizo amadodana ka Ishmaeli, ngamabizo awo, ngokuzalwa kwawo: Izibulo lika Ishmaeli, uNebajoti; noKedari, noAdebeli, noMibesamu,

14 NoMishema, noDuma, noMasa, 15 NoHadari, noTema, noJeturi, noNafishi, noKedama:

16 Lawa a ngamadodana ka Ishmaeli, nalawa a ngamabizo awo, ngemizi yawo na ngezighodhlo zawo; amakosana a ishumi nambili ngezizwe zawo.

17 Le i iminyaka yokuhamba kuka Ishmaeli, iminyaka e ikulu namashumi amatatu a nesikombisa: wa gqabuka, wa fa, welekelwa kubantu bake.

18 Ba qala eHavila, baka ba za ba fika eShuri, eli ngapambi kwa seEgipite, nxa u ya eAsuri: wa fa ebusweni bezihlobo zake zonke.

19 Loku ku inzalo ka Isaka indodana ka Abrahamana: uAbrahama wa zala uIsaka:

20 uIsaka wa e neminyaka e mashumi amane msukwana e m tabata uRebeka a be umkake, indodakazi ka Betuli, wa seSiria, owa sePadanaramu, udade wabo ka Labani, wa seSiria.

21 uIsaka wa kuleka kuJehova ngomkake, ngokuba wa e inyumba: uJehova wa mu zwa; uRebeka umkake wa kulelwa.

22 Ba ti abantwana ba qubutyana pakati kwake; wa ti, Uma ku njalo, ngi nje ngani na? Wa ya kubuza kuJehova.

23 Wa ti kuye uJehova, zi kona esiwini sako izizwe ezimbili; ku ya kwahlukana esiwini sako izinhlobo ezimbili; esinye si ya kwahlula esinye; esikulu si ya kukonza esincinyane.

24 Za pelela izinsuku zake zokubeleta, bheka, a e siswini sake amawele.

25 Wa puma owokuqala e bmvu, e njengengubo yoboya umzimba wonke; ba qamba igama lake ngokuti uEsau.

26 Ngasemva kwaloko wa puma umnawe wake, isandhla sake si bambelele esitendeni sika Esau; igama lake la tiwa uJakobe: uSaka wa e neminyaka e mashumi a tatisitupa ekuzalweni kwabo.

27 Ba kula abafana: uEsau wa ba umuntu owaziyo ukuzingela, umuntu wa sendhle; uJakobe wa e ngumuntu oqoto, e hlala ematenteni.

28 uSaka wa m tanda uEsau, ngokuba wa i dhla inyama yezinyamazane: kepa uRebeka wa m tanda uJakobe.

29 Kwa ti uJakobe wa peka ukudhla: wa fika uEsau e vela endhle, e se diniwe.

30 Wa ti uEsau kuJakobe, A ke u ngi pe ngi dhle loko okubomvu, ngokuba se ngi diniwe: ngako igama lake la tiwa uEdomi.

31 Wa ti uJakobe, Ngi tengele namhla ngefa lobuzibulo bako.

32 Wa ti uEsau, Bheka, se ngi file: li ini kimi lelo ifa na?

33 Wa ti uJakobe, Funga kimi namhla; wa funga kuye: wa m tengela uJakobe ngefa lobuzibulo bake.

34 Kona uJakobe wa mu pa uEsau ukudhla, ukudhla oku imbumba; wadhla, wa puza, wesuka, wa zihambela: uEsau wa li dela ifa lobuzibulo.

#### ISAHLUKO 26.

**K**WA ku kona indhlala ezweni, ngapandhle kwendhlala yokuqala e ya i kona emihleni ka Abrahamama. uSaka wa ya eGerari, kuAbimeleki, inkosi yamaFilisiti.

2 Wa bonakala kuye uJehova, wa ti, U ngehleli Egipite; yaka ezweni engi za kukutyela lona:

3 Hlala ezweni leli, ngi ya kuba nawe, ngi ku busise: ngokuba kuwe na kuyo inzalo yako ngi ya kunikela onke

lamazwe, ngi ya kuqinisa isifungo, engasi funga kuAbrahamama uyihlo;

4 Ngi ya kwandisa inzalo yako, i be ngangezinkanyezi zezulu, ngi ya kunikela inzalo yako onke lawamazwe; na ngenzalo yako zi ya kubusiswa izizwe zonke zomhlaba;

5 Ngokuba uAbrahamama wezwa izwi lami, wa lalela ukutyo kwami, nemiyalo yami nezimemezelo zami, nemiteto yami.

6 uIsaka waka eGerari.

7 Kwa ti abantu ba leyondawo ba m buza ngomkake; wa ti, U udade wetu; ngokuba wesaba ukuti, Umkami, wa ti, funa abantu ba lendawo ba ngi bulale ngenxa kaRebeka; ngokuba wa e mulhe, e bukeka.

8 Kwa ti e se hlezi kona isikati eside, uAbimeleki, inkosi yamaFilisiti, wa kangela e sesibukweni, wa buka, bheka uSaka wa e feketa noRebeka umkake.

9 uAbimeleki wa m biza uSaka, wa ti, Bheka, u umkako impela: wa tyoloni, ukuti U udade wenu na? Wa ti uSaka kuye, Ngokuba nga ti, funa ngi fe ngenxa yake.

10 Wa ti uAbimeleki, ku ini loku o kwenzileyo kitina na? kwa cityu ukuba umuntu a lale nomkako, u be u si bangele icala.

11 uAbimeleki wa yala abantu bonke, e ti, Yena o za kumpata kabi lomuntu nomkake u ya kubulawa nokubulawawo.

12 uIsaka wa lima ezweni lelo, wa zuzalawonyaka kwa ba ngekulu: uJehova wa m busisa.

13 Lomuntu wa kula njalo wa kula wa za wa ba mkulu impela:

14 Wa e nemfuyo yezimvu nemfuyo yezinkomo, nezinceku eziningi: amaFilisiti a ba nomona ngaye.

15 Initombo yonke eza zi i mbile izinceku zika yise, emihleni ka Abrahamama uyise amaFilisiti a be i gqibile, e i gewalise ngomhlabati.

16 Wa ti uAbimeleki kuIsaka, Suka kitina; ngokuba u sihlula kakulu.

17 uIsaka wesuka kona, waka emfundeni ya seGerari, wa hlala kona.

18 uIsaka wemba futi imitombo yamanzi, aba be i mbile emihleni ka Abrahamama uyise; ngokuba amaFilisiti a be i gqibile ngasemva kokufa kuka Abrahamama: wa i biza ngamagama a wa qambayo uyise.

19 Izinceku zika Isaka za zimba

emfundeni, za fumana kona umtombo wamanzi a petuzayo.

20 Kwa ti abalusi ba seGerari ba xabana nabalusi baka Isaka, ba ti, A wetu amanzi: wa qamba igama lomtombo iEseki; ngokuba ba xabana naye.

21 Ba buya bema omunye umtombo; ba xabana nangawo: wa qamba igama lawo iSitna.

22 Wesuka kona, wa buya wemba omunye umtombo; a ba nga xabanga ngawo: wa qamba igama lawo iRehoboti: wa ti, Ngokuba uJehova u se si kulisile kaloku, si ya kuzala ezweni.

23 Wa kupuka kona, wa ya eBeresheba.

24 Ngalobobusuku uJehova wa bonakala kuye, wa ti, Ngi nguTixo ka Abrahamama uyihlo: u ngesabi, ngokuba ngi nawe, ngi ya kukubusisa, ngi yandise inzalo yako ngenxa ka Abrahamama inceku yami,

25 Wa laka kona ilati, wa bonga igama lika Jehova, wa misa kona itente lake; nakona izinceku zika Isaka zemba umtombo.

26 Kwa ti uAbimeleki wa ya kuye e vela eGerari, noAhuzatu, isihlobo sake, noFikoli induua yempi yake.

27 Wa ti uIsaka kubo, Ni zeleni kimi, loku ni ngi zodayo, ni ngi xotyile kini?

28 Ba ti, Sa bona nokubona, ukuba u nawe uJehova: sa ti Ma si be kona isifungo pakati kwetu, tina nawe, a senze isivumelwano nawe sokuti,

29 U nga senzeli okubi, loku si nga ku hlupanga, loku si kwenzele okuhle kupela, sa ku mukisa kahle: kaloku u busisiwe uJehova.

30 Wa benzela ukudhla, ba dhla, ba puza.

31 Ba vuka ekuseni, ba fungisana: uIsaka wa ba mukisa, be muka kahle kuye.

32 Kwa ti ngalolosuku izineeku zika Isaka zeza za m tyela ngomtombo ezi be zi u mbile, za ti kuye, si tolile amanzi.

33 Wa u biza ngokuti, iSheba: ngako igama lomuzi li tiwa, iBeresheba, ku ze ku be namhla.

34 uEsau wa e neminyaka e mashumi amane, wa tabata umfazi, uJuditi, indodakazi ka Beri umHiti, no Bashemati, indodakazi ka Elone umHiti: Aba be umunyu enhliziyweni ka Isaka noRebeka.

## ISAHLUKO 27.

**K**WA ti uIsaka e se mdala, amehlo ake e se fipele ukuba a nga sa bheki, wa m biza uEsau indodana yake enkulu, wa ti kuye, Ndodana yami; wa ti, Bheka, ngi lapa.

2 Wa ti kuye, Bhekake, se ngi mdala, a ngi lwazi usuku lokufa kwami.

3 A ke u tabate izikali zako, isinkemba sako, nomcibityelo wako, u ye endhle, u ngi zingelele, inyamazane;

4 U ngenzele isidhlo esimnandi, engi si tandayo; u si lete kimi, ngi dhle; ukuba inhliziyoyami i ku busise ngi nga ka fi.

5 uRebeka wezwa uIsaka e kuluma noEsau indodana yake. Wa ya endhle uEsau ukuba a zingelele inyamazane, a i lete.

6 uRebeka wa kuluma noJakobe indodana yake, e ti, Bheka, ngi zwile uyihlo e kuluma noEsau umne wenu, e ti,

7 Ngi letele inyamazane, u ngenzele isidhlo esimnandi, ngi dhle, ngi ku busise ebusweni buka Jehova, ngi nga ka fi.

8 Ndodana yami, a ku zwe izwi lami ngaloku engi ku yalelayo.

9 Haniba u ye emhlambini, u ngi tabatele kona amazinyane amabili ezimbuzi, amahle; ngi ya kwenza isidhlo esimnandi sika yihlo, njengaloko a ku tandayo:

10 U ya kusiyisa kuyihlo, a dhle, ukuba a ku busise, e nga ka fi.

11 Wa ti uJakobe ku Rebeka unina, Bheka, uEsau umne wetu, u ngumuntu o noboya, mina ngi ngumuntu o nobutyelezi:

12 Mhlaumbe ubaba u ya kungipata, kona ngi ya kuba emehlweni ake nje ngokohlisayo; ngi ya kuzenzela isitukwo, ngi nga busiswa.

13 Wa ti unina kuye, A ku be pezu kwami ukutukwa kwako, ndodana yami: a ku zwe izwi lami, haniba, u ngi letele wona.

14 Wa ya, wa wa tabata, wa wa leta kunina: unina wa kwenza ukudhla okumnandi njengaloko a ku tandayo uyise.

15 uRebeka wa tabata izivato zika Esau, indodana yake enkulu, ezinhle, za zi kuye endhlini, wa mambatisa zona uJakobe indodana yake ecinnyane:

16 Wa m ambatisa izikumba zamazinyane ezimbuzi ezandhleni na sebutyelezini bentamo:

17 Wa nikela esandhlени sika Jakobe indodana yake isidhlo esimnandi ukudhla a be kwenzile.

18 Wa ya kuyise, wa ti, Baba; Wa ti, Ngi lapa; u ubani wena, ndodana yami?

19 Wa ti uJakobe kuyise, Ngi ngu-Esau, izibulo lako: Ngenzile njengokutyoko kwako kimi: a ku suke, u hlale u dhle inyamazane yami, ukuba inhliziyo yako i ngi busise.

20 Wa ti uIsaka endodaneni yake, U tyetye ngani kangaka ukuitola, ndodana yami? Wa ti, Ngokuba uJehova uTixo wako u yenze i ze pambi kwami.

21 Wa ti uIsaka ku Jakobe, A ku sondele, ndodana yami, ngi ku pate ngi zwe, ukuba u iyo indodana yami uEsau ini na.

22 Kona uJakobe wa sondela kuIsaka uyise, wa m pata, wa ti, Lelizwi li izwi lika Jakobe, kodwa lezizandhla zi izandhla zika Esau.

23 Wa e nga m azi, ngokuba izandhla zake za zi njengezandhla zika Esau umne wabo, zi noboya: wa m busisa.

24 Wa ti, U iyo indodana yami uEsau na? Wa ti, Ngi uye.

25 Wa ti, I sondeze kimi, ngi dhle inyamazane yendodana yami, ukuba inhliziyo yami i ku busise. Wa i sondeza kuye, wa dhla: wa m letela iwaini, wa puza.

26 Wa ti uIsaka uyise kuye, A ku sondele, u ngange, ndodana yami.

27 Wa sondela, wa m anga: wezwa ipunga lezivato zake, wa m busisa, wa ti Bheka, ipunga lendodana yami li njengepunga lezwe a li busisile uJehova:

28 Ka ku pe uTixo amazolo ezulu, nezwe elivundileyo, nokuningi kwamabele newaini:

29 Abantu a ba ku konze, izizwe zi kotame pambi kwako; u be inkosi yabafo wenu, amadodana ka nyoko a kotame pambi kwako: a ba tukwe abakutukayo, ba busiswe abakubusisayo.

30 Kwa ti uIsaka e se qedile ukumbusisa uJakobe, uJakobe e sa qeda ukupuma ebusweni buka Isaka uyise, wa fika uEsau umne wabo, e vela ukuzingela.

31 Wa e se senzile naye isidhlo esimnandi, wa si leta kuyise, wa ti kuyise, Ka suke ubaba, a dhle inyamazane yendodana yake, ukuba inhliziyo yako i ngi busise.

32 Wa ti uIsaka uyise kuye, U ubani wena? Wa ti, Ngi indodana yako, izibulo lako, uEsau.

33 uIsaka wa tutumela e nokututumela okukulu kakulu, wa ti Ubani upi yena owa zingela inyamazane, wa i leta kimi, nga dhla konke u nga ka fiki, nga m busisa? yebo, u ya kuba obusisiwe.

34 uEsau, e se zwile amazwi ka yise, wa kala e nokukala okukulu impela, wa ti kuyise, Baba, ngi busise nami.

35 Wa ti, u fikile umne wenu e kohli-sa, wa tabata isibusiso sako.

36 Wa ti, A li qanjiwe kahle igama lake, ukuti, uJakobe, na? u ngi dlhile kabili; wa tabata ifa lobuzibulo bami; bheka, manje u se tabatile isibusiso sami. Wa ti, A ku ngi godhlehlanga isibusiso na?

37 Wa pendula, wa ti uIsaka kuEsau, Bheka, ngi m nisile a be inkosi yako, abafu wabo bonke ngi benzile ba be izineku zake; ngi m nikile amabele newaini; se ngi za ku kwenzelani, ndodana yami na?

38 Wa ti uEsau ku yise, Baba, u nesibusiso sinye nje na? a ku ngi busise nami, baba, uEsau wa pakamisa izwi lake, wa kala.

39 Wa pendula, wa ti uIsaka uyise kuye, Bheka; ukwaka kwako ku ya kuba ezweni elivundileyo, elinamazolo ezulu ngapezulu;

40 U ya kupila ngesinkemba sako, u m konze umnawe wako: ku ya kuti loku u ndindayo u ya kwapula ijokwe lake entanyeni yako.

41 uEsau wa m zonda uJakobe ngenxa yesibusiso uyise a be m busisile ngaso: wa ti uEsau enhliziyweni yake, Izinsuku zokukalela ubaba se zi sondele; kona ngi ya kumbulala uJakobe umne wetu.

42 uRebeka wa tyelwa lawomazwi ka Esau indodana yake enkulu; wa tuma wa biza uJakobe indodana yake encinyane, wa ti kuye, Bheka, uEsau umne wenu u ziduduza ngawe, u ti u ya kukulubala.

43 Ndodana yami, a ku lalele izwi lami; suka, u balekele kuLabani umfo wetu, eHarani;

44 U hlale naye izinsuku ezitile ku ze ku bohle ulaka lomne wenu;

45 Ku ze ku bohle ukutukutela komne wenu kuwe, a kohlwe i loko o kwenzileyo kuye; ngi ya kutuma, ngi ku tabate kona: ngi za kwamukwa nina nobabili ngosuku lunye ngani na?

46 Wa ti uRebeka kuIsaka, Ngi kolilwe ukuhamba kwami ngenxa yamado-

dakazi ka Heti: nxa uJakobe e tabata umfazi kumadodakazi ka Heti, a nje-ngamadodakazi a leli kwe, ukupila kwami ku ya kuba ini zimi na?

## ISIAHLUKO 28.

**U**ISAKA wa m biza uJakobe, wa m busisa, wa m yala, wa ti kuye, U nga tabati umfazi kumadodakazi a seKanani.

2 Suka, u ye ePadanaramu, endhlini ka Betuli, uyise ka nyoko; u tabate kona umfazi kumadodakazi ka Labani umfo wabo ka nyoko.

3 uTixo o nguSomandhla, a ku busise, a ku zalise, a kwandise u be isizwe esikulu;

4 A ku nike isibusiso sika Abrahama, wena nenzalo yako; ukuba u dhle ifa lezwe o hambela kulo, uTixo a m nika lona uAbrahama.

5 uIsaka wa m mukisa uJakobe: wa ya ePadanaramu, kuLabani, indodana ka Betuli, umSiria, umfo wabo ka Rebe-ka, unina ka Jakobe noEsau.

6 uEsau se e bonile ukuti uIsaka wa e m busisile u Jakobe wa m tuma ePadanaramu, ukuba a tabate kona umfazi; wa m busisa, wa m yala, e ti, U nga tabati umfazi kumadodakazi a seKanani;

7 Nokuba uJakobe wa lalela uyise nolina, wa ya ePadanaramu;

8 uEsau e bonile ukuti amadodakazi a seKanani a mabi emehlweni ka Isaka uyise;

9 Kona uEsau wa ya kuIshmaeli, wa tabata uMahalati, indodakazi ka Ishmaeli, indodana ka Abrahama, udade wabo ka Nebajoti, a be umkake kanye nomkake a e se nabo.

10 uJakobe wa puma eBersheba, wa ya ngaseHarani.

11 Wa fika endaweni etile, wa hlala kona ubusuku, ngokuba la li tyonile ilanga; wa li tabata itye la leyondawo, wa camela kulo, wa lala kuleyondawo.

12 Wa pupa, bheka, isikwelo si misiwu emhlabeni, inhloko yaso i fike ezulwini; bheka, izitunywa zika Tixo zenyuka zehla ngaso.

13 Bheka uJehova wa e mi pezu kwaso, wa ti, Ngi nguJehova uTixo ka Abrahama uyihlo, noTixo ka Isaka: lelizwe, o lele kulo, ngi ya kukunika lona, nenzalo yoko;

14 Inzalo yako i ya kuba ngangotuli lomhlabati; u ya kuhlakazeka ngase-

ntyonalanga, nangasempumalanga, na ngasenyakato, na ngasenigizimu: ngawe na ngenzalo yako zi ya kubusiswa izinhlobo zonke zezwe.

15 Bheka, ngi nawe, ngi ya kukulondoloza endhleleni yonke lapo u ya kona, ngo ku buyisela ezweni leli; ngokuba a ngi yi kukushiya ngi nga ka kwenzi loko engi ku tyilo kuwe.

16 uJakobe wa vuka ebutongweni bake, wa ti, Imbala uJehova u kulendawo, be ngi nga m azi.

17 Wesaba, wa ti, Lendawo i yesabeka kangaka! i indhlu ka Tixo kupela, i isango lezulu.

18 uJakobe wa vuka ekuseni, wa tabata itye a be camele kulona, wa li misa la insika, wa tela amafuta enhlokweni yalo.

19 Wa qamba igama la leyondawo iBeteli: kepa kuqala igama la lowomuzi la li iLuzi.

20 uJakobe wa funga isifungo, wa ti, Uma uTixo e ya kuba nami, a ngi londolozwe endhleleni, engi hamba ngayo, a ngi pe ukudhla kokudhliwa, nezingubo zokwambata,

21 Ku ze ku ti ngi buyele kahle endhlini ka baba; kona uJehova u ya kuba uTixo wami:

22 Lelitye, engi li mise la insika, li ya kuba indhlu ka Tixo: ko ti ngako konke, a ya kunginika kona, ngi ya kutela ngi ku nike okweshumi.

## ISIAHLUKO 29.

**U**JAKOBE wesuka, wa ya ezweni labantu ba sempumalanga.

2 Wa kangela, bheka, umtombo wa u sezweni, bheka, kwa ku lele kuwo imihlambi emitatu yezimvu; ngokuba ku lowomtombo ba be puzisa imihlambi: itye elikulu la li pezu komlomo womtombo.

3 Ya butana kona imihlambi yonke: ba li gingqa itye ba li susa emlonyeni womtombo, ba puzisa izimvu, ba li buyisela itye emlonyeni womtombo endaweni yalo.

4 Wa ti uJakobe kubo, Bafo wetu, nakepi na? Ba ti, Si nga baka Harani.

5 Wa ti kubo, Ni ya m azi uLabani indodana ka Nahori na? Ba ti, Si ya m azi.

6 Wa ti kubo, U hlezi kahle na? Ba ti, U hlezi kahle: nangu uRatyeli indodakazi yake e za nezimvu.

7 Wa ti, Bhekani, ku se semini, a siso

isikati ukuba zi butane izinkomo; zi puziseni izimvu, ni hambe, ni zaluse.

8 Ba ti, si ngenze njalo i nga ka butani imihlambi yonke, ba ze ba gingqe itye ba li suse emlonyeni womtombo: kona si ya kuzipuzisa izimvu.

9 Kwa ti e sa kaluma nabo, wa fika uRatyeli nezimvu zika yise a e zalusa.

10 Kwa ti, uJakobe e se bonile uRatyeli, indodakazi ka Labani, umfo wabo ka nina, nezimvu zika Labani, umfo wabo ka nina, wa sondela uJakobe, wa gingqa itye wa li susa emlonyeni womtombo, wa zi puzisa izimvu zika Labani, umfo wabo ka nina.

11 uJakobe wa m anga uRatyeli, wa pakamisa izwi lake, wa kala.

12 uJakobe wa m tyela uRatyeli wa ti, u ngumfo wabo ka yise, indodana ka Rebeka: yena wa gijima, wa m tyela uyise.

13 Kwa ti, uLabani e se zwile indaba ka Jakobe indodana ka dade wabo, wa gijima wa ya ukumhlangabeza, wa m gona, wa m anga, wa m ngenisa endhlini yake. Wa m tyela uLabani lezozinto zonke.

14 Wa ti uLabani kuye, Imbala, u yitambo lami, nenyama yami. Wa hlala naye inyanga yanye.

15 Wa ti uLabani kuJakobe, Ngokuba u umfo wetu u ya kusebenzela ize kimi na? ngi tyele, umvuzo wako u za kuba ini?

16 uLabani wa e namadodakazi amabili: igama lenkulu la li nguLea, igama lencinyane la li nguRatyeli.

17 Amehlo ka Lea a e butakataka; kepa uRatyeli wa e muhle, e bukeka.

18 uJakobe wa m tanda uRatyeli; wa ti, Ngi ya kuisebenzela kuwe indodakazi yako encinyane, uRatyeli, iminyaka e isikombisa.

19 Wa ti uLabani, Kuhle ngi m nike wena, ngi nga m niki kwenye indoda: hlala nami.

20 uJakobe wa sebenzela uRatyeli iminyaka e isikombisa; ya ti ya ba izinsuku ezi incozana ekuzweni kwake, ngenxa yokumtanda kwake.

21 Wa ti uJakobe kuLabani, zi pelile izinsuku zami: ngi pe umkami, ukuba ngi ngene kuye.

22 uLabani wa buta abantu bonke ba leyo ndawo, wenza idili.

23 Kwa ti kusihlwa wa tabata uLea indodakazi yake, wa m yisa kuye; wa ngena kuye.

24 uLabani wa m nika uZilpa inceku-kazi yake, ukuba a be inceku-kazi ka Lea, indodakazi yake.

25 Kwa ti ekuseni, bheka, wa e ngu-Lea: wa ti kuLabani, ku ini loku o ngenzele kona na? A ngi m sebenzela nguRatyeli kuwe na? u ngi kohliseni na?

26 Wa ti uLabani, A kwenziwa njalo kiti, ukuba si nike omcinyane, si nga ka niki omkulu.

27 A ku qede isonto lake, kona si ya kukunika naye ngemisebenzi o ya kuyisebenza kimi futi eminye iminyaka e isikombisa.

28 Wenza njalo uJakobe, wa qeda isonto lake: kona wa m nika uRatyeli indodakazi yake, a be umkake naye.

29 uLabani wa m nika uRatyeli indodakazi yake uBilha, inceku-kazi yake ukuba a be inceku-kazi yake.

30 Wa ngena na kuye uRatyeli, wa m tanda uRatyeli kakulu ku noLea, wa buya wa sebenza kuye eminye iminyaka e isikombisa.

31 uJehova se e bonile ukuti, uLea u ya zondwa, wa vula isisu sake: kepa uRatyeli wa be inyumba.

32 uLea wa kulelwa, wa zala indodana, wa qamba igama layo uRubeni: ngokuba, wa ti, uJehova u bonile ukuhlupeka kwami; ngako indoda yami i za kungitanda manje.

33 Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana; wa ti, uJehova u zwile nga ngi zondwa, ngako u ngi nikile na le: wa qamba igama layo uSimoni.

34 Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana; wa ti, Kaloku ngalesi sikati indoda yami i za kubambelela kimi, ngokuba ngi i zalele amadodana amatatu: ngako igama lake la tiwa uLevi.

35 Wa kulelwa futi, wa zala indodana: wa ti, kaloku ngi ya kubonga uJehova: ngako wa qamba igama layo uJuda; wa kaula ukuzala.

### ISAHLUKO 30.

**U**RATYELI se e bonile ukuti, a ka m zalalanga uJakobe abantwana, uRatyeli wa ba nomona kudade wabo; wa ti kuJakobe, Ngi pe abantwana, funa ngi fe.

2 Kona ulaka luka Jakobe lwa vutela nga kuRatyeli: wa ti, Ngi sendaweni ka Tixo, o ku nqabele isitelo sesisu, na?

3 Wa ti, Nansi inceku-kazi yami, uBi-

lha, ngena kuye; u ya kuzalela ematangeneni ami, ngi ya kwakiwa ngaye.

4 Wa m nika uBilha incekukazi yake, a be umkake: uJakobe wa ngena kuye.

5 uBilha wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana.

6 Wa ti uRatyeli, u tetile icala lami uTixo, u zwile izwi lami, u ngi nikile indodana: ngako wa qamba igama layo uDani.

7 uBilha incekukazi ka Ratyeli wa buya wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesibili.

8 Wa ti uRatyeli, Ngokubambana okukulu ngi bambene nodade wetu, ngi mahlulile: wa qamba igama layo uNaftali.

9 uLea se e bonile ukuti, wa e kaukile ukuzala, wa tabata uZilpa incekukazi yake, wa m nika uJakobe, a be umkake.

10 uZilpa, incekukazi ka Lea, wa m zalela uJakobe indodana.

11 Wati uLea, Ku ye za inhlanhla: wa qamba igama layo uGadi.

12 uZilpa, incekukazi ka Lea wa m zalela uJakobe indodana yesibili.

13 Wa ti uLea, Ngi ya busa, ngokuba isifazana si ya kuti, ngi busiwe: wa qamba igama layo uAsheri.

14 Kwa ti ngesikati sokuvuna amabele, uRubeni wa ya wa fumana amandera-ke endhle, wa wa yisa kuLea unina. Wa ti uRatyeli kuLea, A ku ngi pe amandera-ke endodana yako.

15 Wa ti kuye, Ku yintwana encinyane ukuba u tabatile indoda yami na? u za kutabata nawo amandera-ke endodana yami na! Wa ti uRatyeli, Ngako i ya kulala nawe ngalobubusuku ngamandera-ke endodana yako.

16 uJakobe we za kusihlwa, e vela endhle, uLea wa puma ukumhlangabeza, wa ti, U ya kungena kimi; ngokuba ngi ku tengile impela ngamandera-ke endodana yami. Wa lala naye ngalobubusuku.

17 uTixo wa mu zwa uLea, wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesihlanu.

18 Wa ti uLea, uTixo u ngi nikile umvuzo wami, ngokuba nga nika indoda yami incekukazi yami: wa qamba igama layo uIsukari.

19 uLea wa buya wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesitupa.

20 Wa ti uLea, uTixo u ngi nikile isipo eshle; kaloku indoda yami i za kuhlala nami, ngokuba ngi i zalele amadodana a

isitupa: wa qamba igama layo uZebuloni.

21 Ngasemva kwaloko wa zala into-mbazana, wa qamba igama layo uDina.

22 uTixo wa m kumbula uRatyeli, uTixo wa mu zwa, wa vula isisu sake.

23 Wa kulelwa, wa zala indodana; wa ti, uTixo u susile ihlazo lami.

24 Wa qamba igama layo uJosefa; wa ti, uJehova u ya kungelekela enye indodana.

25 Kwa ti, uRatyeli e se zalile uJosefa, uJakobe wa ti kuLabani, Ngi mukise, ukuba ngi ye endaweni yami, ezweni la kiti.

26 Ngi pe omkami nabantwana bami, engi ba sebenzele kuwe, ukuba ngi hambe; ngokuba u ya yazi imisebenzi yami, engi yi sebenzile kuwe.

27 Wa ti uLabani kuye, Uma ngi fumene umusa emehlweni ako, a ku hlale; ngi ti, uJehova u ya ngi busisa ngenxa yako.

28 Wa ti, Ngi tyele umvuzo wako, ngi ya kukunika wona.

29 Wa ti kuye, U yazi ukuba ngi ku sebenzele kanjani nokuba izinkomo zako za zi njani kimi.

30 Ngokuba kwa ku kuncinyane okwako, ngi nga ka fiki; manje kwandile se kuingi; uJehova u ku busisile ngokufika kwami; ngi ya kuyisebenzela nini e yami indhlu na?

31 Wa ti, Ngi za ku ku pani na? Wa ti uJakobe, A ku yi kungipa luto: uma u ngenzela loku, ngi ya kubuya ngaluse, ngi linde umhlambi wako:

32 Ngi ya kuya emhlambini wonke wako namhla, ngi kipe kona zonke ezimagqabagqaba, nezihwanqa, zonke ezimnyama ezimvini, nezihwanqa nezimagqabagqaba ezimbuzini: nango umvuzo wami.

33 Njalo ukulunga kwami ku ya kungifakazela, ngesikati esizayo, ebusweni bako, nxa u fika ekukokelweni kwami: zonke ezingemagqabagqaba, nezihwanqa ezimbuzini, nezingemnyama ezimvini, ma ku ti, zebiwe ini.

34 Wa ti uLabani, Bheka, ma ku be njengezwi lako.

35 Ngalowomhla wa kipa izimpongo ezimalungqu, nezihwanqa, nezimbuzikazi zonke ezimagqabagqaba, nezihwanqa, nazo zonke ezi nokumhlope, nezimnyama zonke ezimvini, wa zi nikela esandhlени samadodana ake.

36 Wa misa ibanga eli hanjwa izinsuku



ezintatu pakati kwake noJakobe: uJakobe walusa imihlambi e seleyo ka Labani.

37 uJakobe wa tabata izinti ezimanzi, za bane ezepopula, nezehazeli, nezepaletani; wa zebula imibala enhlope, kwa bonakala okumhlope oku sezintini.

38 Wa zi faka izinti, a be zebulile, emiqengqeni, emikombeni yamanzi, pambi kwemihlambi lapa i zayo ukupuza, ukuba i mite ekufikeni kwayo ukupuza.

39 Ya ti imihlambi ya mita pambi kwezinti, ya zala izinkomo ezimahunqqu, nezimagqabagqaba, nezihwanqa.

40 uJakobe wa zahlukanisa izimvu, wa benza ubuso bemihlambi bu bheke kwezimahunqqu, na kwezimuyama emhlambini ka Labani: wa i bheka imihlambi yake yodwa, a ka i bekanga emihlambini ka Labani.

41 Kwa ku ti lapa zemitayo izinkomo ezi namandhla, uJakobe wa zi misa izinti pambi kwamehlo ezinkomo, emiqengqeni, ukuba zi mite pakati kwezinti.

42 Kodwa uma izinkomo za zi butakataka a ka zi misanga: kwa ti ezibutakataka za ba ezika Labani, nezi namandhla za ba ezika Jakobe.

43 Lowomuntu wa kula kakulu, wa ba nezinkomo eziningi, nezinceku zesilisa, nezesifazana, namakamelo, nezinjomanane.

### ISAHLUKO 31.

**WEZWA** amazwi amadodana ka Labani, e ti, uJakobe u tabatile kouke okwa ku okuka baba: ngaloko okwa ku okuka baba wenzile yonke lemfuyo.

2 uJakobe wa bona ubuso buka Labani, bheka, bu nga sa *bheki* kuye njengesikati esidhlulileyo.

3 Wa ti uJehova kuJakobe, buyela ezweni la okoko bako, na sezihlotyeni zako; ngi ya kuba nawe.

4 uJakobe wa tuna wa biza uRatyeli noLea, ukuba be ze endhle emhlambini wake.

5 Wa ti kubo, Ngi ya bona ubuso buka yihlo, a sa bheki kimi njengesikati esidhlulileyo; kepa uTixo ka baba u nami.

6 Ni yazi nani ngi m konzile uyihlo ngamandhla onke ami.

7 Uyihlo u ngi kohlisile, u pendule umvuzo wami ka shuni; uTixo a ka m vumelanga a ngenzele okubi.

8 Nxa e be tyo ukuti, Ezimagqabagqaba a zi be umvuzo wako; za zi ti zonke izinkomo za zala ezimagqabagqaba: nenxa a be tyo ukuti, ezimahunqqu

a zi be umvuzo wako; za zi ti zonke izinkomo zi zala ezimahunqqu.

9 Njalo uTixo o zi tabatile izinkomo zika yihlo wa ngi pa zona.

10 Kwa ti ekumiteni kwezimvu, nga pakanisa amehlo ami, nga bona ekupupeni, bheka, izinqama zonke ezizayo ezimvini za zimahunqqu nezimagqabagqaba nezimahwanqa.

11 Sa ti kini isitunywa sika Tixo ekupupeni, Jakobe: Nga ti, Ngi lapa.

12 Sa ti, A ku pakamise amehlo ako, u bone, zonke izinqama ezizayo ezimvini zimahungqu, nezimagqabagqaba, nezimahwanqa: ngokuba ngi bonile loko konke a kwenzele kona uLabani.

13 Ngi uTixo wa seBeteli, lapa wa geoba kona insika, lapa wa funga isifungo kimi: a ku suke, u muke ku lelilizwe, u buyele ezweni la kini.

14 Wa pendula uRatyeli noLea, ba ti kuye, Si se nesabelo ini, nefa endhlini ka baba na?

15 A si bizwa uye ngokuti abafokazi na? ngokuba u wengisa ngati, wa dhla imali yetu.

16 Ngokuba imfuyo yonke uTixo a i susile ku baba i nge yetu, neyabantwana betu; kwenze konke a ku tyilo kuwe uTixo.

17 Kona uJakobe wesuka wa kwelisa abantwana bake nomkake emakamelweni;

18 Wa zi quba zonke izinkomo zake, nayo yonke imfuyo yake a be i fuyile, izinkomo zokuzusa kwake, a be zi fuyile ePadanaramu, ukuba a ye kuIsaka uyise, ezweni la seKanani.

19 uLabani wa e yile ukugunda izimvu zake: uRatyeli wa yeba imifanekiso ka yise.

20 uJakobe wa m kohlisa uLabani wa seSiria, ngokuba e nga m tyelanga ukuti u za kumuka.

21 Wa muka nako konke a e nako; wesuka, wa wela umfula, wa qonda ngasentabeni ya seGiladi.

22 Ngosuku lwesitatu uLabani wa tyelwa ukuti, uJakobe u mukile.

23 Wa hamba nabafo wabo, wa m landela endheleni izinsuku ezi isikombisa; wa m fumana entabeni ya seGiladi.

24 Weza uTixo kuLabani wa seSiria ngepupo ebusuku, wa ti kuye, Qapela u nga kuluni kuJakobe okuhle nokubi.

25 uLabani wa m fumana uJakobe. uJakobe wa e misile itente lake entabe-

ni: uLabani nabafo wabo be misa entabeni: ya seGiladi.

26 Wa ti uLabani kuJakobe, Wenzeni na? u ngi koblisile, u niukise amadodakazi ami njengabatunjwayo ngesinkemba.

27 Wa balekelani ngasese na? wa ngi kohlisa; a ku ngi tyelanga, kona nga be ngi ku mukisile ngokwenama, na ngezihlabelelo, na ngogubu, na ngenkoka.

28 A u vumanga ukuba ngange amadodana ami namadodakazi ami: wenze ubuula ngalowo msebenzi.

29 Ku semandhleni esandhla sami ukuba ngi kwenzele okubi: kepa uTixo ka yihlo wa tyo kimi ebusuku izolo ukuti, Qapela u nga kulumi kuJakobe okuhle nokubi.

30 Nxa u muka impela ngokuba u nxanela indhlu ka yihlo, po, wa bebelani otixo bami na?

31 Wa pendula uJakobe, wa ti kuLabani, Ngokuba be ngesaba: ngokuba be ngi ti, funa u ngamuke amadodakazi ako.

32 Lowo, o za kutola kuye otixo bako, a ka yi kusinda: ebusweni babafa wetu, bona okwako engi nako, u ku tabate: uJakobe wa e ngazi ukuti, uRatyeli wa e bebile.

33 uLabani wa ngena etenteni lika Jakobe, na setenteni lika Lea, na setenteni lezincekukazi ezimbili; a ka ba tolanga. Wa puma etenteni lika Lea wa ngena etenteni lika Ratyeli.

34 uRatyeli wa e tabatile imifanekiso, e i bekile empahleni yekamelo, wa e hlezi pezu kwayo. uLabani wa i funisisa etenteni lonke, a ka i tolanga.

35 Wa ti kuyise, Ma i nga tukuteli inkosi yami uma ngi nga suki, ngi me ebusweni bako; ngokuba umkuba wesifazana u se kimi. Wa funisisa; kepa a ka i tolanga imifanekiso.

36 uJakobe wa tukutela, wa xabana noLabani: uJakobe wa pendula wa ti kuLabani, Li pi icala lami na? si pi isono sami, ukuba u ngi landele u tukutela na?

37 Loku u su funile ezintweni zonke zani, u fumene ntoni, yezinto zonke zendhlu yako na? i beke lapa ebusweni babafa wetu nabafo wenu, ba tete icala pakati kwetu sobabili.

38 Leninyaka e amashumi amabili be ngi hlezi kuwe; izimvu zako nezimbuzi zako a zi punzanga; izinqama zomhlambi wako a ngi zi dhlanga.

39 Ezipangiweyo nga ngi nga zi leti kuwe; nga ngi zi hlaula; wa zi biza esandhleni sami, noma zebiwe emini, noma zebiwe ebusuku.

40 Nga ngi njalo; nga qedwa ilanga emini, nga qedwa iqwa ebusuku; kwa suka ubutongo emehlweni ami.

41 Kwa ku njalo kimi iminyaka e amashumi amabili endhlini yako; iminyaka e ishumi nane nga sebenzela kuwe amadodakazi ako amabili, neminyaka e isitupa izinkomo zako: u pendule umvuzo wami ka shumi.

42 Nxa e be nge nami uTixo ka baba, uTixo ka Abrahamama, nokwesaba kuka Isaka, nga u be u su ngi mukisaze. uTixo u bonile ukuhlutywa kwami, nemisebenzi yezandhla zami, wa ku sola izolo ebusuku.

43 uLabani wa pendula wa ti kuJakobe, Lawa madodakazi a ngamadodakazi ami, na laba bantwana ba ngabantwana bami, na lezizinkomo zi izinkomo zami, nako konke o ku bonayo ku ngokwami: kaloku ngi ya kuwenzelani lawa amadodakazi ami, nabantwana bawo, a ba ba zelyo, na?

44 A ke senze isivumelwano, mina nawe, si be ufakazi pakati kwami nawe.

45 uJakobe wa tabata itye, wa li misa li be insika.

46 Wa ti uJakobe kubafo wabo, Butani amatye; ba tabata amatye, ba yenza inqwaba: ba dhla kona enqwabeni.

47 uLabani wa i qamba ngokuti iJegarsahaduta; kepa uJakobe wa i qamba ngokuti iGaledi.

48 Wa ti uLabani, Kaloku lenqwaba i ngufakazi pakati kwami nawe. Ngako igama layo la tiwa iGaledi:

49 NeMizpa; ngokuba wa ti, uJehova ma ka bheke pakati kwami nawe, uma se sahlukene.

50 Nxa u hlupa amadodakazi ami, nxa u tabata abafazi welekele pezu kwamadodakazi ami, a ku ko munu nati; bheka, uTixo u ufakazi pakati kwami nawe.

51 Wa ti uLabani kuJakobe, Bheka lenqwaba, bheka lensika, engi i misileyo pakati kwami nawe;

52 Lenqwaba ma i be ufakazi, na lensika ma i be ufakazi, ukuba ngi nga dhluli lenqwaba ngi ye kuwe, nokuba u nga dhluli lenqwaba na lensika, u ze kimi, ngobubi.

53 uTixo ka Abrahamama, uTixo ka Nahori, uTixo ka yise wabo, ka tete icala



zwa ngokuti, uJakobe, li za ku tiwa, uIsareli: ngokuba u bambene noTixo nabantu, wahlulile.

29 uJakobe wa m buza, wa ti, A ke u ngi tyele igama lako. Wa ti, U buzelani igama lami na? Wa m busisa kona.

30 uJakobe wa qamba igama la leyondawo iPanili; ngokuba wa ti, Ngim bonile uTixo, ubuso nobuso, kepa ngi sindile.

31 E sa wela iPanili la puma ilanga, wa xuga enyongeni yake.

32 Ngako abantu baka Isareli a ba dhli umsipa o senyongeni, owa kotyobalayo ku ze ku be namhla; ngokuba wa pata inyonga ka Jakobe emsipeni owa kotyobalayo.

### ISAHLUKO 33.

**U**JAKOBE wa pakamisa amehlo ake, wa kangela, bheka, wa yeza uEsau, namadoda anakulu amane e naye. Wahlukanisela uLea noRatyeli nezincekuzazi ezimbili abantwana.

2 Wa beka pambili izincekuzazi nabantwana bazo, uLea nabantwana ba be ngasemva, uRatyeli noJosefa ngasemva.

3 Wa dhlula pambili kwabo, wa kotama kakombisa, wa za wa sondela kumfo wabo.

4 uEsau wa gijima wa ya ukumhlangabeza, wa m gona, we neika entanyeni yake, wa m anga; ba kala.

5 Wa pakamisa amehlo ake, wa bona isifazana nabantwana, wa ti, Obani laba o nabo na? Wa ti, Abantwana, uTixo a i nike bona inceku yako ngomusa.

6 Za sondela izincekuzazi, zona nabantwana bazo, ba kotama.

7 Wa sondela naye uLea nabantwana bake, ba kotama: ngasemva wa sondela uJosefa noRatyeli, ba kotama.

8 Wa ti, U ya kwenzani ngalelibandhla lonke engi hlangana nalo na? Wa ti, Ngim ya kuzuza umusa emehlweni enkosi yami.

9 Wa ti uEsau, Ngim nokuningi, mfo wetu; a ku be okwako o nako.

10 Wa ti uJakobe, Aike, nxa ngi zuzile umusa emehlweni ako, si tabate isipo sami esandhlani sami; ngokuba ngim bonile ubuso bako, ku njengokubona ubuso buka Tixo, u hlangene kahle nami.

11 A ke u tabate ubusiso lwami olu letwa kuwe, ngokuba uTixo u ngi pate ngomusa, na ngokuba ngim nako konke. Wa m neenga wa lu tata.

12 Wa ti, Ma si suke, si hambe, ngi za kuhamba pambi kwako.

13 Wa ti kuye, I yazi inkosi yami, abantwana ba neinyane, nezimvu nezinkomo ezimitiyo zi kona nami; nxa be tyityinga usuku lunye, u nga fa umhlambi wonke.

14 A ke i dhlule inkosi yami pambili kwenceku yayo: ngi ya kuza kahle mina njengokuhamba kwenzinkomo na njengokuhamba kwabantwana, ngi ze ngi fike enkosini yami eSira.

15 Wa ti uEsau, Ma ngi shiye kuwe abanye abantu bami. Wa ti, Ngani na? ma ngi zuze umusa emehlweni enkosi yami.

16 Ngako ngalowomhla uEsau wa buya wa ya eSira.

17 Wesuka uJakobe wa ya eSukoti, wa yaka indhlu yake, wenza izibaya zezinkomo; ngako igama la leyo ndawo la tiwa, iSukoti.

18 uJakobe wa fika kahle emzini oku tiwa, iShekemi, o sezweni lase Kenani, e vela ePadanaramu; wa misa itente lake pambi komuzi.

19 Wa li tenga izwe lapo wemisa kona itente lake, kumadodana ka Hamori uyise ka Shekemi, ngamakesita a ikulu.

20 Waka kona ilati, wa li qamba wa ti uEl-Elohe-Isareli.

### ISAHLUKO 34.

**K**WA ti uDina, indodakazi ka Lea, a m zalela yona uJakobe, wa puma wa ya ukubona amantombazana a lelozwe.

2 uShekemi, indodana ka Hamori iHivi, inkosi yezwe, wa m bona, wa m tabata, wa lala naye, wa m ona.

3 Inhliziyo yake ya bambelela kuDina, indodakazi ka Jakobe, wa i tanda intombazana, wa kuluma enhliziyweni yentombazana.

4 Wa tyo uShekemi kuyise uHamori ukuti, Ngim tabatele lentombazana i be umkami.

5 Wezwa uJakobe ukuti, u yonile indodakazi yake, uDina: amadodana ake a be e sezinkomeni zake endhle: uJakobe wa tula a ze a fika.

6 Kwa ti uHamori uyise ka Shekemi, wesuka wa ya kuJakobe ukukuluma naye.

7 A ti amadodana ka Jakobe, e se zwile, a buya endhle: a hlupeka amadoda, a tukutela kakulu, ngokuba wenzile

okubi ku Isareli ngokulala nendodakazi ka Jakobe; oku ngenziwayo.

8 uHamori wa kuluma kuwo, e ti, Inhliziyo yendodana yami, uShekemi, i namatela ku yo intombazana ya kwenu: a ke ni mu pe yona, i be unikake.

9 Ganiselanani nati, ni si pe amadoladaka enu, ni tabate amadoladaka enu.

10 Ni ya kuhlala nati, izwe li za kuba ebusweni benu; yakani ni tengiselani, ni fuye kulo.

11 Wa ti uShekemi kuyise na kubane wabo, Ma ngi zuze umusa emehlweni enu; Loko, eni ya kukutyo, ngi ya kuninika.

12 Bizani kimi ukulobola okukulu, nesipo, ngi ya kunika njengaloko, eni za kukutyo kimi: kepa ngi nikeni umtwana, a be umkami.

13 Amadoladana ka Jakobe a m pendula uShekemi noHamori uyise a ba kohlisa, a ti ngokuba wa m ona uDina udade wabo.

14 A ti kubo, si ngeyenze lento, ukuba, si nike umuntu o nga sokiwe, udade wetu; ngokuba loko ku ihlazo kiti.

15 Kepa ngaloko si ya kunivumela, uma ni ba njengati, ba sokwe abesilisa bonke ba kini;

16 Kona si ya kuninika amadoladaka enu, si tabate amadoladaka enu, si hlale nani, si be isizwe sinye.

17 Kodwa uma ni nga si laleli, ni sokwe; kona si ya kutabata intombazana ya kwetu, si hambе.

18 Amazwi abo a be mahle kuHamori, na kuShekemi indodana ka Hamori.

19 Leyonsizwa a i libalanga ukuyenza lento, ngokuba ya yi i tanda indodakazi ka Jakobe: ya i nkulu yona kwabendlhlu ka yise.

20 uHamori noShekemi, indodana yake, be za esangweni lomuzi wabo, ba kuluma nabantu bomuzi wabo, ba ti,

21 Laba bantu ba hlezi kahle nati; ma bake ezweni, ba hambе pakati kwalo; izwe, bhékani, li kulu inxa zonke ebusweni wabo; a si tabate amadoladaka enu, a be omketu, si ba pe amadoladaka enu.

22 Kepa ngaloku kupela lababantu ba ya kuvuma, ba hlale nati, ukuba si be isizwe sinye, nxa abesilisa bonke ba kiti be sokwa njengabo ba sokile.

23 Imihlambi yabo, nemfuyo yabo, nazo zonke izinkomo zabo, a ku yi kuba okwetu na? a si vumelane nabo, kona be za kuhlala nati.

24 Ba ti bonke abapuma esangweni lomuzi bezwa uHamori noShekemi indodana yake; ba soka abesilisa bonke, nke abapuma esangweni lomuzi wake.

25 Kwa ti ngosuku lwesitatu, be se nobuhlungu, amadoladana amabili ka Jakobe, uSimeoni noLevi, abane wabo ka Dina, ba tabata bobabili izinkemba zabo ba ngena emzini, be nesibindi, ba bulala abesilisa bonke.

26 Ba bulala uHamori noShekemi indodana yake ngosiko lwesinkemba, ba m tabata uDina endhlini ka Shekemi, ba puma.

27 Amadoladana ka Jakobe e za kwababuleweyo, a panga umuzi, ngokuba be m onile udade wabo.

28 A tabata izimvu zabo, nezinkomo zabo, nezinjomane zabo, nokwa ku semzini, nokwa ku sendhle,

29 Imfuyo yonke yabo, nabantwana bonke babo, a tumba abafazi babo, a panga konke okwa ku sendhlini.

30 Wa ti uJakobe kuSimoni noLevi, Ni ngi katazile, ni ngenze ngi ba nukele kabi abantu bezwe, amaKenani nama-Perizi: loku si incozana, ba ya kungihlangayela, ba ngi bulale, ngi ya kucitwa, mina nendhlu yami.

31 Ba ti, Nga e m patisile udade wetu okwesifebe na?

ISAHLUKO 35.

**W**A ti uTixo kuJakobe, Suka, u kupuke u ye eBeteli, wake kona; u m enzele kona ilati uTixo, owa bonakala kuwe ekubalekeni kwako ebusweni buka Esau umfo wenu.

2 Wa ti uJakobe endhlini yake, na kubo bonke aba be naye, Susani otixo bezizwe, eni nabo, ni hlambuluke, ni hlobe izingubo zenu:

3 A si suke si kupuke, si ye eBeteli; ngi ya kumenzela kona ilati uTixo, owa ngi pendula msukwana ngi hlupekayo, wa ba nami endhleleni enga hamba ngayo.

4 Ba m nika uJakobe bonke otixo bezizwe aba be sesandhleni sabo, neziviliba za zi sezindhleleni zabo; uJakobe wa zi tukusa pansi kweterebinte la seShekemi.

5 Bemuka: kwa ku kona ukumsaba uTixo emizini, eya i semacaleni abo, a ba wa landelanga amadoladana ka Jakobe.

6 uJakobe weza eLuzi, oku tiwa iBeteli, eli sezweni la seKenani, yena nabantu bonke aba be naye.

7 Waka kona ilati, wa i qamba indawo iElbeteli: ngokuba uTixo wa bonakala kona kuye ekubalekeni kwake ebusweni bomfo wabo.

8 Wa fa uDebora, umzanyana ka Rebe-ka; wa mbelwa ezansi kweBeteli pansikomboka: igama lawo la tiwa, Umkoba wokukalela.

9 uTixo wa buya wa bonakala kuJakobe, ekuzeni kwake e vela ePadanaramu, wa m busisa.

10 Wa ti uTixo kuye, Igama lako li nguJakobe: igama lako a li sa yi kutiwa, uJakobe; igama lako li za kuba uIsraeli: wa qamba igama lake uIsraeli.

11 Wa ti uTixo kuye, Ngi uTixo o nguSomandhla; a ku zale, wande; ku za kuvela kuwe isizwe, yebo izizwe eziningi; a za kupuma okalweni lwako amakosi.

12 Izwe, enga li nika uAbrahama noIsaka, ngi ya kulinika wena, nayo inzalo yako emva kwako ngi ya kuinika lelizwe.

13 uTixo wenyuka, e suka kuye endaweni lapo a kuluma kona naye.

14 uJakobe wemisa insika endaweni lapo a kuluma kona naye, insika yetye: wa tela pezu kwayo umnikelo woku-puza, wa tela namafuta pezu kwayo.

15 uJakobe wa qamba igama la leyondawo lapo a kuluma kona naye, iBeteli.

16 Besuka eBeteli: kwa ku katyana ukuya eFerati: uRatyeli wa nyikanyikeka ekubeleteni kwake.

17 Kwa ti, e sa nyikanyikeka ekubeleteni kwake, wa ti umbeletisi kuye, U ngesabi, u ya kuba nalendodana futi.

18 Kwa ti u su puma umoya wake (ngokuba wa fa) wa qamba igama lake uBenoni: kepa uyise wa m qamba, wa ti uBenjamini.

19 Wa fa uRatyeli, wa mbelwa endhleleni eya Eferati, eli iBetelahemu.

20 uJakobe wa misa insika etuneni lake: leyo i insika yetuna lika Ratyeli na nanhla.

21 uIsraeli wesuka, wa misa itente lake ngapambili kwaseMigdalederu.

22 Kwa ti, uIsraeli e sa hlezi ku lelozwe uRubeni wa ya wa lala noBilha umka yise: wezwa uIsraeli. Amadodana ka Jakobe a e ishumi nambili:

23 Amadoda ka Lea; uRubeni, izibulo lika Jakobe, noSimeoni, noLevi, noJuda, noIsakari, noZebuloni:

24 Amadodana ka Ratyeli; uJosefa noBenjamini:

25 Amadodana ka Bilha, inceekukazi ka Ratyeli; uDani noNaftali:

26 Amadodana ka Zilpa, inceekukazi ka Lea; uGadi noAsheri; labo ba be amadodana ka Jakobe, a wa zalayo ePadanaramu.

27 uJakobe weza ku Isaka uyise, eMamri, emzini ka Arba, eli iHebroni, lapo be hlala uAbrahama noIsaka.

28 Izinsuku zika Isaka za zi iminyaka e ikulu namashumi a shiyagalombili.

29 uIsaka wa gqabuka wa fa, welekelwa kubantu bake, e semdala, e nezinsuku eziningi; uEsau noJakobe, amadodana ake, ba m mbela.

### ISAHLUKO 36.

**L**OKU ku inzalo ka Esau, oku tiwa uEdomi.

2 uEsau wa tabata abafazi bake kuwo amadodakazi a seKenani; uAda, indodakazi ka Eloni umHiti, noAholibama, indodakazi ka Ana, indodakazi ka Ziboni umHivi;

3 NoBashemati, indodakazi ka Ishmaeli, udade wabo ka Nebajoti.

4 uAda wa m zalela uEsau uElifazi; uBashemati wa zala uRuli;

5 uAholibama wa zala uJushi, noJalama, noKora; laba ba be ngamadodana ka Esau, a zalwa uye ezweni la seKenani.

6 uEsau wa tabata omkake, namadodana ake, namadodakazi ake, nabantu bonke bendhlu yake, nemihlambi yake, nezinkomo zonke zake, nemfuyo yonke yake, a be i zuzile ezweni la seKenani; wemuka ebusweni bomfo wabo uJakobe, wa ya ezweni.

7 Ngokuba imfuyo yabo ya i nkulu, ba be nge naqulhala ndawonye: izwe a ba be fike kulona, la li nga baneli ngenxa zezinkomo zabo.

8 uEsau wa hlala entabeni ya seSira: uEsau wa e nguEdomi.

9 Loku ku inzalo ka Esau, uyise wamaEdomi a sentabeni ya seSira:

10 Lawa a e ngamabizo amadodana ka Esau; uElifazi, indodana ka Ada umka Esau, noRuli, indodana ka Bashemati, umka Esau.

11 Amadodana ka Elifazi, a e nguTemani, noOmari noZefo, noGatamu, noKenazi.

12 uTimna wa e umfazi ka Elifazi, indodana ka Esau; wa m zalela uElifazi uAmaleki: lawa a e ngamadodana ka Ada, umka Esau.

13 Lawa a be ngamadodana ka Ruli; uNahati, noZera, noShama, noMiza: lawa a be ngamadodana ka Bashemati umka Esau.

14 Lawa a be ngamadodana ka Aholibama, indodakazi ka Ana, indodakazi ka Ziboni, umka Esau: wa m zulela uEsau uJushi, noJalama, noKora.

15 Lawa a be ngamakosi amadodana ka Esau: amadodana ka Elifazi, izibulo lika Esau: uTemani inkosi, uOmari inkosi, uZefo inkosi, uKenazi inkosi.

16 uKora inkosi, uGatamu inkosi, uAmaleki inkosi; lawa a be ngamakosi a vela kuElifazi, ezweni la seEdomi; lawa a be ngamadodana ka Ada.

17 Lawa a be ngamadodana ka Ruli, indodana ka Esau; uNahati inkosi, uZera inkosi, uShama inkosi, uMiza inkosi: lawa a be ngamakosi a vela kuRuli, ezweni la seEdomi; lawa a be ngamadodana ka Bashemati umka Esau.

18 Lawa a be ngamadodana ka Aholibama umka Esau: uJushi inkosi, uJalama inkosi, uKora inkosi; labo ba be ngamakosi, a vela kuAholibama, indodakazi ka Ana umka Esau.

19 Lawa a be ngamadodana ka Esau, owa e nguEdomi, na labo ba be ngamakosi abo.

20 Lawa a be ngamadodana ka Sira, iHori, a e hlezi ezweni; uLotani, noShobali, noZiboni; noAna,

21 NoDishoni, noEzeri, noDishani; lawo a be ngamakosi amaHori, amadodana ka Sira ezweni la seEdomi.

22 Amadodana ka Lotani a be nguHori, noHemami; udade wabo ka Lotani wa e nguTimna.

23 Lawa a be ngamadodana ka Shobali; uAlvani, noManahate, noEballi, noShefo, noOnamu.

24 Lawa a be ngamadodana ka Ziboni; uAja, noAna; lowo wa e nguAna owa fumana amanzi ehlane, e salusa izinjomane zika Ziboni uyise.

25 Laba ba be ngabantwana baka Ana; uDishoni, noAholibama indodakazi ka Ana.

26 Laba ba be ngabantwana baka Dishoni; uHemdani, noEshebeni, noIterani, noKerani.

27 Lawa a be ngamadodana baka Ezeri; uBilhani, noZavana, noAkani.

28 Lawa a be ngamadodana ka Dishani; uZe, noArani.

29 Lawa a be ngamakosi a vela kuwo

amaHori; uLotani inkosi, uShobali inkosi, uZiboni inkosi, uAna inkosi.

30 uDishoni inkosi, uEzeri inkosi, uDishani inkosi; labo ba be ngamakosi a vela kuwo amaHori, ngemibuso yawo, ezweni la seSira;

31 Lawa a be ngamakosi, a busa ezweni la seEdomi, inkosi i nga ka busi abantwana baka Isareli.

32 uBela, indodana ka Beori wa busa Edomi: igama lomuzi wake la li iDinhaba.

33 Wa fa uBela, uJobabi wa busa endaweni yake.

34 Wa fa uJobabi, uHushamu, owa sezweni lamaTemani, wa busa endaweni yake.

35 Wa fa uShamu, uHadadi, indodana ka Bedadi, owa cita amaMidiani ezweni lika Moabi, wa busa endaweni yake: igama lomuzi wake la li iAviti.

36 Wa fa uHadadi, uSamla wa seMasreka wa busa endaweni yake.

37 Wa fa uSamla, uSaule wa seRehoboti ngasemfuleni wa busa endaweni yake.

38 Wa fa uSaule, uBalahanani, indodana ka Akebori, wa busa endaweni yake.

39 Wa fa uBalahanani, indodana ka Akebori, uHadari wa busa endaweni yake: igama lomuzi wake la li iPau; igama lomkake la li nguMehetabeli, indodakazi ka Materedi, indodakazi ka Mezahabi.

40 Lawa a be ngamagama amakosi a vela ku Esau, ngezinhlobo zawo, ngezin dawo zawo, ngamabizo awo: uTimna inkosi, uAliva inkosi, uJeteli inkosi,

41 Aholibama inkosi, uEla inkosi, uPiوني inkosi.

42 uKenazi inkosi uTemari inkosi, uMibezari inkosi,

43 uMagedili inkosi, uIramu inkosi: laba ba be ngamakosi ka Edomi, ngo kwaka kwabo ezweni lemfuyo yabo: wa e nguEsau, uyise wamaEdomi.

### ISAHLUKO 37.

UJAKOBE wa hlala ezweni, uyise a hanibela kulo, ezweni la seKenani.

2 Loku ku inzalo ka Jakobe. uJosefa, e se neminyaka e ishumi nesikombisa, walusa nabane wabo emblambini: lomfana wa e kumadodana ka Bilha, namadodana ka Zilpa, omka yise: uJosefa wa bika kuyise indaba embi ngabo.

3 uIsraeli wa m tanda uJosefa ku na-

bantwana bonke bake, ngokuba wa e indodana yobudala bake: wa m enzela ingubo enhle.

4 Abafo wabo ba bona ukuti uyise e m tanda ku nabo bonke, ba m zonda, ba be nge kulume kahle naye.

5 uJosefa wa pupa ipupo, wa ba tyela abafu wabo: ba buya ba m zonda kakulu.

6 Wa ti kubo, A ke ni zwe lelipupo, engi li pupileyo:

7 Bhokani, be si bopa izitungu ensimini, isitungu sami sesuka sema, izitungu zenu za si pahla, za si kotamela isitungu sami.

8 Ba ti abafu wabo kuye, Imbala, u ya kuba inkosi yetu na? Imbala, u ya kubusa pezu kwetu na? Ba buya ba m zonda kakulu ngenxa yamapupo ake namazwi ake.

9 Wa pupa futi elinye ipupo, wa ba tyela lona abafu wabo, wa ti Bhokani, ngi pupile ipupo futi; ilanga nenyanga nezinkanyezi ezi ishumi nanye zi ngi kotamela.

10 Wa ba tyela uyise nabafu wabo: uyise wa m sola, wa ti, li ini lelupupo o li pupileyo na? Imbala mina nonyoko nabafu wenu si ya kukotama si kuleke kuwe na?

11 Abafu wabo ba ba nomona ngaye, kepa uyise wa li qonda lelozwi.

12 Abafu wabo ba ya ukwalusa imihlambi ka yise eShekemi.

13 Wa ti uIsraeli kuJosefa, Abafu wenu a balusi eShekemi na? a ku ze, ngi za kukutumela kubo. Wa ti kuye, Ngi lapa.

14 Wa ti kuye, Hambake, u bone ukuba ba hlezi kahle nabafu wenu, nokuba ku hlezi kahle imihlambi; u ngi buyisele indaba. Wa m tuma e suka emfundeni ya seHebroni, weza eShekemi.

15 Umuntu otile wa m fumana eduka endhle; wa m buza, wa ti, u funani na?

16 Wa ti, Ngi funa abafu wetu, a ke u ngi tyele, buluselani na?

17 Wa ti umuntu, se be mukile lapa; nga be zwa be ti, Ma si ye eDotani. uJosefa wa ba landela abafu wabo, wa ba fumana eDotani.

18 Ba m bona e kude, e nga ka sondeli kubo, ba ceba icebo ngaye ukuba ba m bulale.

19 Ba kulumisana be ti, Nansi inyanga yamapupo, i se za.

20 A ke ni ze, si m bulale, si m lahle emgodini otile, si ti, u dhliwe isilwane

esibi: si ya kubona ukuba a za kuba njani amapupo ake.

21 Wezwa uRubeni wa m kipa esandhlani sabo; wa ti, a si nga m bulali.

22 Wa ti uRubeni kubo, Ni nga palazi igazi, m ponseni emgodini o sehlane, ni nga beki isandhla pezu kwake; wa tyo njalo ukuba a m kipe esandhlani sabo, a m buyisele kuyise.

23 Kwa ti, uJosefa e se fikile kubafo wabo, ba m hlubala ingubo yake, ingubo enhle e yi fakile.

24 Ba m tabata, ba m ponsa emgodini: Umgodini wa u ze, kwa ku nge ko amanzi kuwo.

25 Ba hlala ukuba ba dhle ukudhla: ba pakamisa amehlo abo, ba kangela, bhoka, ihele lamaIshmaeli, li za li vela eGiladi, li namakamelo e twale inhlaka, namaka, nemure, e lehla nako li ya Egipite.

26 Wa ti uJuda kubafo wabo, Ku ya kusizani uma si m bulala umfo wetu, si fihle igazi lake na?

27 A ke ni ze, si tengise ngaye kulawamaIshmaeli, isandhla setu si nga bi pezu kwake; ngokuba u umfo wetu, u inyama yetu. Ba m lalela abafu wabo.

28 Ba dhlula abatengi ba seMidiani; ba m donsa, ba m kipa uJosefa emgodini, ba tenga ngaye uJosefa kuwo amaIshmaeli imali i ngamashumi amabili. Ba m yisa uJosefa Egipite.

29 uRubeni wa buyela emgodini, bhoka, wa e nge ko uJosefa emgodini; wa dabula izingubo zake.

30 Wa buyela kubafo wabo, wa ti, Ka seko umfana; mina ngi za kuya ngapi na?

31 Ba tabata ingubo ka Josefa, ba bulala izinyane lembuzi, ba cwilisa ingubo egazini;

32 Ba tumela ingubo enhle, be i yisa kuyise; ba ti, Si i tolile; a ke u bone ukuba iyo ingubo yendodana yako, nokuba a siyo.

33 Wa yazi, wa ti, Iyo ingubo yendodana yami; u dhliwe isilwane esibi; nembala uJosefa u detyuliwe.

34 uJakobe wa dabula izingubo zake, wa faka ingubo yesililo okulweni lwake, wa kalela indodana yake izinsuku eziningi.

35 Amadodana ake onke, namadodakazi ake onke, a suka a ya kumkuza; wala ukukuzwa; wa ti, Ngi za kwehla ngi ye kuyo indodana yami etuneni ngi kala.



36 Aba seMidiani ba tenga ngaye Egipte kuPotifari, inceku ka Faro, induna yamabuto.

ISAHLUKO 38.

**K**WA ti ngalesosikati uJuda wesuka kubafu wabo, wehla wa ya kumuntu wa seAdulamu, ibizo lake la li nguHira.

2 uJuda wa bona kona indodakazi yomuntu wa seKenani, ibizo layo la li nguShua; wa i tabata, wa ngena kuyo.

3 Wa kulelwa, wa zala indodana; wa qamba igama layo uEri.

4 Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana; wa qamba igama layo uOnani.

5 Wa buya wa kulelwa futi, wa zala indodana; wa qamba igama layo uShela; wa e seKezibe ekuzaleni kwake.

6 uJuda wa m tabatela uEri, izibulo lake, umfazi, igama lake, la li nguTamari.

7 uEri, izibulo lika Juda, wa e mubi emehlweni ka Jehova; uJehova wa m bulala.

8 Wa ti uJuda ku Onani, Ngena kumka mfo wenu, u m zeke, u m zalele umfo wenu inzalo.

9 uOnani wazi, ukuba inzalo a i yi kuba eyake; kwa ti e sa ngena kumka mfo wabo wa i cita pansu, ukuba a nga m niki umfo wabo inzalo.

10 Kwa ku kubi emehlweni ka Jehova loko a kwenzayo, wa m bulala naye.

11 Kona uJuda wa ti kuTamari, umalukazana wake, Hlala u umfelokazi endhlini ka yihlo, a ze a kule uShela indodana yami: ngokuba wa ti, Funa a fe naye njengabafu wabo. uTamari wa ya wa hlala kubo.

12 Se ku dhlulile isikati, ya fa indodakazi ka Shua, umka Juda: uJuda wa kuzwa, wa kupuka wa ya kwabagunda izimvu zake eTimnati, yena nomgane wake uHira, wa seAdulamu.

13 Kwa tyiwo kuTamari ukuti, Bheka, uyihlo u ya kupuka e ya eTimnati, ukuba a gunde izimvu zake.

14 Wa zambula izingubo zobufelokazi bake, wa zimboza ugendwangu, wambata ingubo, wa hlala esangweni la seNajimi ngasandhileni eya eTimnati; ngokuba wa bona ukuti u se kulile uShela, e nga m nikwa ukuba a be umkake.

15 uJuda wa m bona, wa ti, u isifebe; ngokuba wa e mboze ubuso bake.

16 Wa pambukela kuye endhileni, wa ti, Minake, a ke ngi ze kuwe; ngo-

kuba wa e ngazi ukuti, e ngumalukazana wake. Wa ti, U ya kungipau u bu ngene kimi na?

17 Wa ti, Ngi ya kukutumela izinyane lembuzi li semhlambini. Wa ti, U ya kunginika isitembiso u ze u li tumela na?

18 Wa ti, Ngi ya kukunika isitembiso sini na? Wa ti, Indandato yako, nama-songo ako nodondolo lwako olu sesandhleni sako. Wa m nika, wa ngena kuye, wa kulelwa uye.

19 Wesuka, wa ya wa yambula indwangu yokumboza, wembata izingubo zobufelokazi bake.

20 uJuda wa tuma izinyane lembuzi ngesandhla somgane wake, owa seAdulamu, ukuba a tabate isitembiso sake esandhleni somfazi: kepa wa m fumanisa e ngeko.

21 Wa buza kubantu ba leyondawo, e ti, Si pi isifebe esa si Najimi endhileni na? Ba ti, Be si ngeko isifebe kulendawo.

22 Wa buyela kuJuda, wa ti, Nga m fumanisa e ngeko; uabantu ba leyondawo ba ti, be si ngeko isifebe kona.

23 Wa ti uJuda, Ma ka li tabate funa si be nehlozo; bheka, nga tuma lelizinyane, kepa a ku m tolanga.

24 Kwa ti ngasemva kwezinyanga ezintatu, kwa tyiwo kuJuda ukuti, U pingile uTamari umalukazana wako; futi, bheka, u se kulelwa ngokupinga. Wa ti uJuda, M leteni, a tyiswe.

25 Se e yisiwe wa tuma kuyise, wa ti, Ngi kuleliswe iyo leyondoda umninioku: wa ti, A ku bheke loku, ukuba okuka bani na, indandato, namasongo nodondolo.

26 uJuda wa zi bheka, wa ti, U lungisile ku nami; ngokuba a ngi m nika nga uShela indodana yami. A ka banga e sa m azi futi.

27 Kwa ti ngesikati sokubeleta kwake, bheka, amawele a be sesiswini sake.

28 Kwa ti, e se beleta, omunye wa kipa isandhla; umbeletisi wa tabata intambo e bomvu wa bopa esandhleni, wa ti, Lo u pume kuqala.

29 Kwa ti, e sa buyisa isandhla sake, bheka, wa puma umfo wabo: wa ti umbeletisi, U fohleleni na? a ku be kuwe lok ukuqabuka; wa qamba igama lake uFarezi.

30 Ngasemva kwaloko wa puma umfo wabo o wa e neutambo e bomvu esandhleni sake: igama lake la tiwa uZara.

## ISAHLUKO 39.

**U**JOSEFA wehliselwa Egipite; uPotifari, inceku ka Faro, induna yamabuto, wa sEgipite, wa m tenga esandhleni samaIshmaeli, a be m ehliisele kona.

2 uJehova wa e naye uJosefa, wa e ngumuntu o nenhlanhla: wa e hlala endhlini yomnumzana wake, wa sEgipite.

3 Umnumzana wake wa bona ukuti uJehova u naye, nokuti konke a kwenzayo uJehova u kwenza ku be nenhlanhla esandhleni sake.

4 uJosefa wa fumana umusa emehlweni ake, wa m konza: wa m misa ukuba a bonise indhlu yake, nako konke okwake wa ku nikela esandhleni sake.

5 Kwa ti se loku wa m misa ukuba a bonise indhlu yake nako konke okwake, uJehova wa busisa indhlu yake o wa sEgipite ngenxa ka Josefa: isibusiso sika Jehova sa si kuko konke okwake endhlini na sensimini.

6 Wa ku shiya konke okwake esandhleni sika Josefa: wa be ngazi luto lwake, ukudhla a ku dhlayo kupela. uJosefa wa e mühle, ebukeya.

7 Kwa ti ngasemva kwaloko umka mnunzana wake wa m buka uJosefa, wa ti, Lala nami.

8 Wala, wa ti kumka mnunzana wake, Bheka inkosi yami a i kwazi engi nako endhlini, i ku nikele esandhleni sami konke okwayo;

9 Akuko ku lendhlu omkulu kunami; a i ngi nqabelanga luto, nawe kupele ngokuba u umkayo; ngi ngenza kanjani lobobubi obungaka, ngone kuTixo na?

10 Kwa ti, e sa kuluma kuJosefa imihla ngemihla, a ka m lalengana ukuba a lale naye, nokuba a be naye.

11 Wa ti ngosuku olutile wa ngena endhlini ukusebenza imisebenzi yake; wa e ngeko pakati umuntu owendhlu noyedwa.

12 Wa m baniba ngengubo yake, wa ti, Lala nami: wa i shiya ingubo yake esandhleni sake, wa baleka, wa puma.

13 Kwa ti, e se bonile ukuti, u shiye ingubo yake esandhleni sake, wa baleka,

14 Wa ba biza abantu bendhlu, wa ti kubo, Bhekali, u si letele umHeberu ukuba a sone; u ngena kimina, ukuba a lale nami, nga kala ngezwi elikulu:

15 Kwa ti, se e zwile ngi pakamisa izwi lami ngi kala, wa shiya ingubo yake, wa baleka, wa puma.

16 Wa i beka ingubo yake kuye, wa za wa fika ekaya umnumzana wake.

17 Wa kuluma kuye nga lawamazwi, wa ti, Lomfana, umHeberu, owa si letela yena, wa ngena kimi, ukuba a ngone.

18 Kwa ti, sengi pakamisile izwi lami, ngi kala, wa shiya ingubo yake kimina, wa baleka.

19 Kwa ti, umnumzana wake se e zwile amazwi omkake, a wa kuluma kuye e ti, U ngenzela njalo umfana wako, lwa vuta ulaka lwake.

20 Umnumzana ka Josefa wa m tabata, wa m faka etilongweni, endaweni lapa be botywa kona ababotyiweyo benkosi: wa ba kona etilongweni.

21 uJehova wa e naye uJosefa, wa m bonisa umusa, wa m enzela ububele emehlweni enduna yetilongo.

22 Induna yetilongo ya ba nikela esandhleni sika Josefa ababotyiweyo bonke aba setilongweni; nako konke aba kwenzayo kona, kwa kwenziwa uyena.

23 Induna yetilongo a i bhokanga luto olu sesandhleni sake; ngokuba uJehova wa e naye, naloko a kwenzayo, uJehova wa ku busisa.

## ISAHLUKO 40.

**K**WA ti ngasemva kwaloku umpatizitya wenkosi ya sEgipite, nompeki wayo, bona enkosini yabo, enkosini ya sEgipite.

2 uFaro wa zi tukutelela izinduna zake ezimbili, induna yabapatizitya, nenduna yabapeki.

3 Wa zi faka etilongweni, endhlini yenduna yamabuto endaweni lapa wa e botywe kona uJosefa.

4 Induna yamabuto ya m yala uJosefa ukuba a zi bonise, wa zi konza: za botyiwa izinsuku ezitile.

5 Ba pupa amapupo bobabili, omunye e lake, nomunye e lake, ngobusuku bunye, omunye nomunye njengokukumshwa kwepupo lake, umpatizitya nompeki benkosi ya sEgipite, ababotyiweyo etilongweni.

6 uJosefa wa ngena kubo kusasa, wa ba bona, bheka, ba be dabukile.

7 Wa buza izinceku zika Faro, eza zi naye etilongweni endhlini yomnumzana wake, wa ti, Ubuso benu bubu ngani namhla na?

8 Ba ti kuye, Si pupile ipupo, a ka ko o nga li kumshelayo. Wa ti kubo uJosefa, Akuko kuTixo ukukumshela na? A ke ni ngi tyele lona.

9 Induna yabapatizitya ya m tyela uJosefa ipupo layo, ya ti kuye, Bheka, ekupupeni kwami, ivini la li sebusweni bami;

10 A e sevinini amagatyana amata-tu: la ti la kahlela, ya hluma imbali, izihleke za veza izinhlamvu ezivutiwe-yo:

11 Isitya sika Faro sa si sesandhleri sami; nga zi tabata izinhlamvu, nga zi kamela esityeni sika Faro, nga si nikela isitya esandhleri sika Faro.

12 Wa ti uJosefa kuye, Loku ku ukukumshwa kwalo: lawo magatyana amata-tu a izinsuku ezintatu:

13 A za ku dhlula amasuku amatatu, kona uFaro u za kupakamisa ikanda la-ko, a ku buyisele esikundhleri sako: u ya kunikela isitya sika Faro esandhleri sake, ku be njengakuqala lapo wa u ngumpatizitya wake.

14 Kepa u ze u ngi kumbule uma se ku ku lungele, u ngenzele umusa, u ngi bike kuFaro, u ngi kipe ku lendhlu:

15 Ngokuba impela nga tuujwa ezweni lamaHeberu: na lapa a ngenzanga luto ukuba ba ngi fake etilongweni.

16 Induna yabapeki, se i bonile ukuti ku lungile ukukumshela, ya ti ku-Josefa, Nami, bheka, ekupupeni kwami, za zi sekanda lami izimbenge ezimhlope ezintatu:

17 Embengeni e pezulu za zi kona izidhlo zonke zika Faro, umsebenzi wompeki; izinyoni za zi dhla embengeni pezu kwekanda lami.

18 uJosefa wa pendula wa ti, Loku ku ukukumshwa kwalo: lezizimbenge ezintatu zi izinsuku ezintatu:

19 A za ku dhlula amasuku amatatu, kona uFaro u za kupakamisa ikanda la-ko, a li suse kuwe, a ku panyeke emtini: izinyoni zi za kudhla inyama yako i kuwe.

20 Kwa ti ngosuku lwesitatu, usuku lokuzalwa kuka Faro, wa zenzela izineku zake zonke idili: wa pakamisa ikanda lenduna yabapatizitya, nekanda lenduna yabapeki pakati kwezineku zake.

21 Wa buyisela induna yabapatizitya ebuncekwini bayo; ya si nikela isitya esandhleri sika Faro:

22 Kepa wa panyeka induna yabapeki njengaloko uJosefa a be kumshela.

23 Kodwa induna yabapatizitya a m kumbulanga uJosefa, ya kohlwa uye.

**K**WA ti ekupeleni kweminyaka emibili, uFaro wa pupa; bheka, wa e mi ngasemfuleni.

2 Bheka, kwenyuka emfuleni izinkomo ezikombisa, zinhle, zi bukeka, zi kulupele: za dhla emhlangeni.

3 Bheka, nezinye izinkomo ezikombisa zenyuka emfuleni emva kwazo, za zi zimbi, zondile, zema kwezinye izinkomo osebeni lomfula.

4 Za ti izinkomo ezimbi, ezondileyo, za dhla izinkomo ezikombisa ezinhle ezikulupeleyo. Wa papama uFaro.

5 Wa buya wa lala wa pupa okwesibili; bheka izikwebu ezikombisa za hluma ezeleni linye, zinkulu, zinhle.

6 Bheka nezikwebu ezikombisa ezincinyane, zi tyile umoya wa sempumalanga, za hluma emva kwazo.

7 Izikwebu ezincinyane za dhla za qeda izikwebu ezikombisa ezikulu ezinhle uFaro wa papama, bheka, kwa ku ipupo.

8 Kwa ti kusasa inhliziyo yake ya katazeka; wa tuma wa biza izanusi zonke za sEgipite, nabahlakanipileyo bonke balo: uFaro wa ba tyela amapupo ake: kepa wa e nge ko o nga m kumshela uFaro wona.

9 Kona induna yabapatizitya ya kuluma kuFaro, i ti, Ngi ya li kumbula namhla icala lami:

10 uFaro wa e tukutelele izineku zake, wa ngi faka etilongweni, endhlini yenduna yamabuto, mina nenduna yabapeki.

11 Sa pupa ipupo ngobusuku bunye, mina nayo; sa pupa omunye nomunye njengokukumshwa kwepupo lake.

12 Kwa ku kona nati umfana, umHeberu, inceku yenduna yamabuto; sa m tyela, wa si kumshela amapupo etu; wa kumshela ilowo njengepupo lake.

13 Kwa ti, njengaloko a si kumshela kona, kwa ba njalo; wa ngi buyisela mina esikundhleri sami, wa m panyeka yena.

14 Kona uFaro wa tuma wa biza uJosefa; ba m tyetyisa ba m kipa etilongweni: wa zipucela, wa hloba izingubo zake, wa ngena kuFaro.

15 Wa ti uFaro kuJosefa, Ngi pupile ipupo; akuko o nga li kumshelayo: ngi zwile ngawe ukuti, u ya lazi ipupo ukuba u li kumshela.

16 uJosefa wa m pendula uFaro, wa ti, Akuko kimina: uTixo o ya kumpendula kahle uFaro.

17 Wa ti uFaro ku Josefa, Ekupupeni kwami, bheka, be ngi mi osebeni lomfula:

18 Bheka, kwenyuka emfuleni izinkomo ezikombisa, zi nonile, zinhle, ezibukekayo; za dhla emhlangeni.

19 Bheka, na ngasemva kwa lezo zenyuka ezinye izinkomo ezikombisa, zi zacile, zimbi kakulu, zondile; a ngi bonanga ngi bona ezimbi njengalezo ezweni lonke la sEgipite;

20 Izinkomo ezondileyo ezimbi za dhla izinkomo ezikombisa ezandulelayo ezinonileyo:

21 Za zi dhla, kepa a ku bonakalanga ukuti zi zi dhlike, ngokuba za zimbi njengakuqala. Nga papama.

22 Futi, nga bona ekupupeni kwami, bheka, za hluma izikwebu ezikombisa ezeleni linye, zinkulu, zinhle:

23 Bheka, kwa hluma emva kwazo izikwebu ezikombisa eziputileyo, zi ninyane, zi tyile umoya wa sempumalanga:

24 Izikwebu eziputileyo za dhla za qeda izikwebu ezikombisa ezinhle: nga zi tyela izanusi; kepa sa si nge ko esi nga ngi kumshela kona.

25 Wa ti uJosefa kuFaro, Ipupo lika Faro linye: uTixo u m bonisile uFaro loko a za kukwenza.

26 Izinkomo ezikombisa ezinhle zi iminyaka ekombisa; nezikwebu ezikombisa ezinhle zi iminyaka ekombisa ipupo linye.

27 Izinkomo ezikombisa ezondileyo ezimbi, ezenyuka emva kwazo, zi iminyaka ekombisa; nezikwebu ezikombisa eziputileyo, ezityile umoya wa sempumalanga, zi iminyaka ekombisa yendhlala.

28 Loku engi ku tyilo kuFaro: a za ku kwenza, uTixo u m bonisile uFaro loko.

29 Bheka, ku ye za iminyaka ekombisa yenala enkulu ezweni lonke la sEgipite:

30 Ngasemva kwayo i ya kuvela iminyaka ekombisa yendhlala; i ya kukohlakala inala yonke ezweni la sEgipite; indhlala i ya kuqeda izwe;

31 Inala a i yi kuzwiwa ezweni ngenxa yendhlala elandelayo; ngokuba i ya kuba nzima kakulu.

32 Loku ipupo la pindwa kabili, ku ku ti, lento i qinisiwe uTixo; uTixo u ya kutyetya a yenze.

33 Kaloku uFaro a ka fune umuntu

oqapeleyo ohlakanipileyo, a m mise ezweni la sEgipite.

34 A kenze njalo uFaro, a mise izinduna ezweni la sEgipite, a tabate okwesihlanu kwa sezweni la sEgipite ngeminyaka ekombisa yenala.

35 A zi bute ukudhla konke kwa leyo minyaka emihle ezayo, zi bekelele amabele esandhlani sika Faro, zi londe ukudhla emzini.

36 Loku kudhla ku ya kubekelwa izwe ngeminyaka ekombisa, e za kuba ezweni la sEgipite, ukuba izwe li nga citeki ngenxa yendhlala.

37 Lelozwi la li lungile emehlweni ka Faro na semehlweni ezinceku zake zonke.

38 Wa ti uFaro ezincekwini zake, Si nga tola ini o njengaye, umuntu o nomoya ka Tixo, na?

39 Wa ti uFaro kuJosefa, Loku uTixo u kwazisile konke loko, akuko muntu oqapelayo, ohlakanipileyo njengawe:

40 U ya kuba pezu kwendhlu yami; bonke abantu bami ba ya kubuswa ngezwi lako: ngobukosi bodwa ngi ya kuba mkulu kuwe.

41 Wa ti uFaro kuJosefa, Bheka, ngi ku misile ezweni lonke la sEgipite.

42 uFaro wa kumula indandato esandhlani sake, wa i faka esandhlani sika Josefa, wa mambatisa izingubo ezinhle, wa faka umnaka wegolide entanyeni yake.

43 Wa m hambisa encweleni yesibili yake; ba memeza pambi kwake, be ti, Kotamani; wa m misa ezweni lonke la sEgipite.

44 Wa ti uFaro kuJosefa, Ngi nguFaro, ngapandhle kwako akuko muntu o nga pakamisa isandhla sake, nonyawo lwake, ezweni lonke la sEgipite.

45 uFaro wa qamba igama lika Josefa uZafenatepanea; wa m nika uAsenati, indodakazi ka Potifera umpirisiti wa se-Oni, ukuba a be umkake. uJosefa wa hambela ezweni lonke la sEgipite.

46 uJosefa wa e neminyaka e mashumi matatu, musukwana e ma pambi kuFaro inkosi ya sEgipite. uJosefa wa puma ebusweni buka Faro, wa hambela ezweni lonke la sEgipite.

47 Ngeminyaka ekombisa yenala izwe la tela ngobuningi.

48 Wa buta ukudhla konke kweminyaka, eya i sezweni la sEgipite wa ku bekelela ukudhla emzini; ukudhla kwa-

masimu omuzi, a semacaleni awo, wa ku bekelela emuzini munye.

49 uJosefa wa bekelela amabele a ngesihlabati solwandhle, amaningi kakulu, wa za wa yeka ukubala, ngokuba a e nge nakubalwa.

50 Kwa m zalelwa uJosefa amadodana amabili, i nga ka fiki iminyaka yendhlala, a m zalela wona uAsenati, indodakazi ka Potifera, umprii wa seOni.

51 uJosefa wa qamba igama lezibulo uManasa; e ti, ngokuba uTixo u ngenzile ngi kohlwe ukuhlupeka konke kwami, nendhlu yonke ka baba.

52 Igama lowesibili wa li qamba uEfraimi; e ti, ngokuba uTixo u ngi zalisile ezweni lokuhlupeka kwami.

53 Ya pela iminyaka ekombisa yenala, eya i sezweni la sEgipite.

54 Kwa qala ukufika iminyaka ekombisa yendhlala njengaloko a be tyilo uJosefa: indhlala ya ba semazweni onke; kepa kwa ku kona ukudhla ezweni lonke la sEgipite.

55 Kwa ti, se li lambile izwe lonke la sEgipite, abantu ba kalela ukudhla ku Faro: wa ti uFaro kwa ba sEgipite onke, Sukani ni ye kuJosefa, nenze loko a za ku ni tyala kona.

56 Indhlala ya i sezweni lonke: uJosefa wambulula imilindi yonke, wa tengela abasEgipite; indhlala ya vama ya ba nzima ezweni la sEgipite.

57 Izwe lonke leza Egipite ukutenga kuJosefa; ngokuba indhala ya be inzima emazweni onke.

#### ISAHLUKO 42.

**U**JAKOBE se e zwile a kona amabele Egipite, wa ti uJakobe kuwo amadodana ake, Ni bukanelani na?

2 Wa ti, Bhekani, ngi zwile a kona amabele Egipite: yehlani ni ye kona, ni si tengele kona, ukuba si pile si nga fi.

3 Ba ti abafu wabo baka Josefa abafu ishumi behla, ba ya kutenga amabele Egipite.

4 Kepa uBenjaminini, umnawe ka Josefa, uJakobe a ka m tumanga nabafu wabo; ngokuba wa ti, ingabe a ngehlelwa okubi.

5 A ti amadodana ka Israeli e za kutenga kanye nabafu; ngokuba indhlala ya i sEzweni la seKenani.

6 uJosefa wa e ngumbusi ezweni; uyena owa ba tengela bonke abantu bezwe: ba fika abafu wabo baka Josefa, ba m kotamela.

7 uJosefa wa bona abafu wabo, wa bazi, kepa wa zenzisa kubo, wa kuluma kubo, ngamandhla; wa ti kubo, Ni velapi na? Ba ti, Si vela ezweni la seKenani, si ze kutenga ukudhla.

8 uJosefa wa bazi abafu wabo, kepa bona ba be nga m azi yena.

9 uJosefa wa kumbula amapupo a wa pupa ngabo; wa ti kubo, Ni izinhloli, ni ze kubona ubuze bezwe.

10 Ba ti kuye, Ai, nkosi izinceku zako zi ze kutenga ukudhla.

11 Tina sonke si ngamadodana omuntu munye; si qinisile, izinceku zako asizo izinhloli.

12 Wa ti kubo, Ai, ni ze kubona ubuze bezwe.

13 Ba ti, Izinceku zako zi izelamani ezi ishumi nambili, amadodana omuntu munye ezweni la seKenani bheka, omcinnyane u sekaya kubaba manje, omunye ka seko.

14 uJosefa wa ti kubo, Iko loko engi ku tyilo kini ukuti, Ni izinhloli.

15 Ni ya ku lingwa ngaloku: ngi qinisile, ngi funga uFaro a ni yi kumuka e nga ka fiki lapa umne wenu.

16 Tumani omunye wenu, a m lande umne wenu; ni ya kubotywa ukuba a lingwe amazwi enu ukuba ni qinisile: nxa ku nge njalo, ni izinhloli, Faro.

17 Wa ba faka bonke etilongweni izinsuku ezintatu.

18 Ngosuku lwesitatu uJosefa wa ti kubo, Nenzani loku, ni sinde, ngi ya m esaba uTixo.

19 Nxa ni qinisile, a ka botywe omunye wabafu wenu endhlini ya setilongweni lenu; hanibani ni yisele amabele indhlala yezindhlu zenu:

20 M leteni kimi umne wenu; kona a ya kufaniswa amazwi enu, a ni yi kufa. Benze njalo.

21 Ba kuluma bodwa ba ti, Impela si necala kumne wetu, ngokuba sa bona umunyu wenhliziyo yake esincenga, a si m lalalanga; ngako lomunyu u fikile pezu kwetu.

22 Wa ba pendula uRubeni, wa ti. A ngi ni tyelanga ini ukuba, Ni nga m oni umfana; a ni lalalanga? ngako, bhekani, igazi lake se li bizwa.

23 Ba be ngazi ukuba, uJosefa u yezwa; ngokuba wa e kumshelwa.

24 Wa ba fulatela, wa kala; wa buya wa buyela kubo, wa kulumisana nabo, wa tabata kubo uSimeoni, wa m bopa emehlweni abo.

25 Kona uJosefa wa yala ukuba imihlanti yabo i gewaliswe ngamabele, imali yabo bonke i buyiselwe emasakeni abo, ba piwe umpako: wa benzela njalo.

26 Ba zetwesa izimbongolo zabo ngamabele, benuka kona.

27 Kwa ti omunye, e sa tukulula isaka lake ukuba a i nike imbongolo yake ukudhla endhlini yabahambi, wa bona imali yake; bheka ya i semlonyeni wesaka lake.

28 Wa ti kubafo wabo, Imali yami i buyiselwe; bhekani i sesakeni lami: izihliziyzo zabo zahluleka, besaba, ba kulumisa be ti, Ku ini loku uTixo a senzele kona na?

29 Beza kuJakobe uyise, ezweni la seKenani, ba m landisa konke okwa ba fikelayo, ba ti,

30 Lomuntu, inkosi yezwe, wa kuluma ngamandhla kitina, wa ti, si izihloli zezwe.

31 Sa ti kuye, Si qinisile, a si sizo izihloli:

32 Si izelamani ezi ishumi nambili, anadodana ka baba; omunye ka seko, omncinyane u kona kubaba namhla, ezweni la seKenani.

33 Lomuntu, inkosi yezwe, wa ti kitina, Ngi ya kwazi ngaloku ukuba ni qinisile: shiyani kimi omunye wabafo wenu, ni tabatele indhlala yezindhlu zenu, ni muke:

34 Ni m lete kimi umne wenu omncinyane: kona ngi ya kubona ukuti, a ni sizo izihloli, ni qinisile: ngi ya kuninika umfo wenu, ni ya kutenga ezweni.

35 Kwa ti be sa tulula amasaka abo, bheka, izikwama zemali zabo bonke za zi masakeni abo: ba ti se be bonile izikwama zemali, bona noyise, besaba.

36 Wa ti kubo uJakobe uyise, Ni ya ngamuka: uJosefa ka seko, noSimeoni ka seko ni za kumtabata noBenjamini: konke loku ku lukuni kimi.

37 Wa ti uRubeni kuyise, U nga bulala amadodana ami omabili nxa ngi nga m buyiseli kuwe: m nikele esandhlani sami, ngi ya kumbuyisela kuwe.

38 Wa ti, Indodana yami a i yi kwehla nani; ngokuba umfo wabo e nga seko, i sele yodwa: uma yehlalwa okubi, endhlehleni, eni ya kuhamba ngayo, kona ni ya kwehlisela elibeni izimvi zami zi nobuhlungu.

INDHLALA ya inkulu ezweni.

2 Kwa ti se be qedile amabele aba wa tutayo Egipite, wa ti uyise kubo, Buyelani ni si tengele ukudhla oku incozana.

3 Wa tyo kuye uJuda ukuti, Lowo muntu wa qinisa nokuqinisa e ti, A ni yi kububona ubuso bami uma e nge ko kini umfo wenu.

4 Nxa u tuma nati umfo wetu, si za kwehla si ku tengele ukudhla:

5 Kepa nxa u nga m tuni, a si yi kwehla: ngokuba lowo muntu wa ti kitina, A ni yi kububona ubuso bami uma e nge ko kini umfo wenu.

6 Wa ti uIsraeli, Na ngenzeleni okubi ngokumtyela lowo muntu ukuti, u kona umfo wenu na?

7 Ba ti, Lowo muntu wa buzisisa indaba yetu neyezihlobo zetu, e ti, U se kona uyihlo na? ni nomfo wenu omunye na? sa m tyela njenga lawomazwi: sa sazi ngani ukuba u za kuti, Yehlisani umfo wenu, na?

8 Wa ti uJuda kuIsraeli uyise, Tuma umfana nami, kona si ya kusuka si hambe; ukuba si pile si nga fi, tina, nawe, nabantwana betu.

9 Ngi ya kumqinisa; u ya kumbiza esandhlani sami: nxa ngi nga m buyiseli kuwe, ngi m beke ebusweni bako, ma ngi be necala ku ze ku be nini:

10 Ngokuba uma sa si nga libalanga nga se si buyile kabili.

11 Wa ti uIsraeli uyise kubo, Uma ku njalo, yenzani loku; tabatani izitelo ezihle zezwe, ni zi fake emihlantini yenu, ni m ehlisele lowo muntu isipo, inhlaka encozana, nezinyosi ezi incozana, amaka, nemure, namapisetako.

12 Ni pate esandhlani senu imali enzelwa kabili; na leyo imali eya buyiselwa emilonyeni yamasaka enu, ni i buyisele; ingabe kwa pambekwa:

13 Ni m tabate umfo wenu, ni suke, ni buyele ku lowo muntu:

14 uTixo uSomandhla a ka nenzele umusa ebusweni ba lowo muntu, ukuba a buyise umfo wenu omunye kanye noBenjamini. Uma ngamukwa, ngi ya kwamukwa.

15 A ti amadoda a tabata lesosipo, nemali enzelwe kabili a i tabata ngesandhla sabo noBenjamini; e suka, ehla a ya Egipite, e ma pambi kuka Josefa.

16 uJosefa se e m bonile uBenjamini e kona nabo, wa ti encekwini yendhlu ya-

ke, Ngenisa laba bantu endhlini, u hlabu u lungise ngokuba laba bantu ba za ku dhla nami emini.

17 Inceku yenza njengokutyo kuka Josefa; inceku ya ba ngenisa abantu endhlini ka Josefa.

18 Abantu besaba, ngokuba ba ngeniswa endhlini ka Josefa; ba ti, si ngeniswa ngenxa yemali eya buyiselwa emasakeni etu kuqala, ukuze ehlele pezu kwetu, a ziwise pezu kwetu, a si tabate, tina nezinjomane zetu, si be izingqili.

19 Ba sondela encekwini yendhlu ka Josefa, ba kuluma nayo ngasemnyango wendhlu,

20 Ba ti, Nkosi, sehla kuqala ukutengana ukudhla:

21 Kwa ti se si fikile endhlini yabhambi, sa tukulula amasaka etu bheka, imali yabo bonke ya i semilonyeni yamasaka abo, imali yetu njengokulinganisa kwayo: si i buyisile ngesandhla setu.

22 Sehle nenye imali esandhlini setu yokutenga ukudhla: a sazi ukuba imali yetu ya fakwa ubani emasakeni etu.

23 Ya ti, Ma ni tokoze, ni ngesabi: uTixo wenu, uTixo wa oyihlo wa ni nika imali emasakeni enu; be ngi nayo imali yenu. Ya pumesa uSimeoni ya m leta kubo.

24 Inceku ya ngenisa abantu endhlini ka Josefa, ya ba pa amanzi, ba geza izinyawo zabo; ya zi pa izimbongolo zabo ukudhla.

25 Ba lungisa isipo e nga fiki uJosefa emini: ngokuba ba be zwile ukuti, ba ya kudhla ukudhla kona.

26 Kwa ti uJosefa se e ngenile endhlini, ba ngenisa kuye endhlini isipo, esa si sesandhlini sabo, ba m kotamela.

27 Wa buza ukuba ba tokozile, wa ti, U hlezi kahle uyihlo na, ixegu ena kuluma ngalo? U se kona na?

28 Ba ti, Inceku yako, ubaba, i hlezi kahle, i se kona. Ba kotama, ba kuleka.

29 Wa pakamisa amehlo ake, wa bona uBenjamini, umfo wabo, indodana ka nina, wa ti, Umne wenu lo, ena kuluma ngaye kimi na? Wa ti, uTixo a ka be nomusa kuwe, ndodana yami.

30 uJosefa wa tyetya, ngokuba imibilini yake ya tya ngomne wake: wa funa indawo yokukala; wa ngena endhlini yake, wa kala kona.

31 Wa hlanza ubuso bake, wa puma, wa zibamba, wa ti, Letani ukudhla.

32 Ba m nika yena e yedwa, nabo be bodwa, naba sEgipite, aba dhla naye, be bodwa: ngokuba abasEgipite ba be nge dhle namaHeberu; ngokuba loko ku nengeka kubo abasEgipite.

33 Ba hlala ebusweni bake, izibulo njengokuzalwa kwalo, nomncinyane njengokwelamane kwalo: abantu ba mangalana.

34 Waabela okwa ku pambi kwake: kepa uBenjamini wa piwa kahlanu ku nabo bonke. Ba puza ba tokoza naye.

## ISAHLUKO 44.

**W**A yalela inceku yendhlu yake, e ti, Gewalisa imihlanti ya lababantu ngokudhla, okulingene nokutwala kwabo, u fake imali yabo bonke emilonyeni yemihlanti yabo.

2 U fake isitya sami, isitya sesiliva, emilonyeni womhlanti womncinyane, nemali yamabele ake. Yenza njengezwi lika Josefa a be tyilo.

3 Kwa ti se ku sile ba mukiswa abantu, bona nezimbongolo zabo.

4 Se be pumile emzini, be nga ka bi kude, uJosefa wa ti encekwini yendhlu yake, Suka, u landele lababantu; uma u ba fumana, yityo kubo ukuti, Ni pindiseleni okuhle ngokubi na?

5 Lesi asiso inkosi yami e puza ngaso, e bula ngaso na? nonile ngaloko eni kwenzileyo.

6 Ya ba fumana, ya tyo kubo lawamazwi.

7 Ba ti kuyo, Inkosi yetu i tyoloni lawamazwi na? A ku be kude ezincekwini zaku ukwenze njalo.

8 Bheka, imali, esa i fumana emilonyeni yemihlanti yetu, sa i buyisela ezweni laseKenani, sa i leta kuwe; po, si be si ngeba kanjani isiliva negolide endhlini yenkosi yako na?

9 Lowo owa sezincekwini zaku esi za kutolwa kuye, ma ka fe yena, tina si ya kuba izingqili zenkosi yetu.

10 Ya ti, Yebo, a ku be njengamazwi enu: lowo esi za ku tolwa kuye, u ya kuba isigqili sami; ni nga bi nacala nina.

11 Kona ba tyetya bonke betulela panusi imihlanti yabo, bonke ba tukulula imihlanti yabo.

12 Ya funisisa, ya qala ngomkulu, ya geina ngomncinyane: isitya sa funyanwa emhlantini ka Benjamini.

13 Ba ti ba dabula izingubo zabo, betwesa bonke izimbongolo zabo, ba buyela emzini.

14 uJuda nabafo wabo beza endhlini ka Josefa; ngokuba wa e se kona: ba wa pansi pambi kwake.

15 Wa ti uJosefa kubo, Umsebenzi muni lo, eni wenzileyo na? be ni ngazi ukuti umuntu o njengami a nga bula nokubula na?

16 Wa ti uJuda, Si ya kutini enkosini yetu na? Si ya kukulumani na? si ya kuzitetelela kanjani na? uTixo u tolile icala lezinceku zako: bheka, si izigqili zenkosi yetu, tina naye esi tolwe esandhlени sake isitya.

17 Wa ti, A ku be kude kimi ukwenze njalo: lomuntu, esi tolwe esandhlени sake isitya, u ya kuba isigqili sami; nina, a ke ni hambe kahle, ni kupuke ni ye kuyihlo.

18 uJuda wa sondela kuye, wa ti, Nkosi yami, ngi ya kuleka, inceku yako a ke i kulume izwi ezindhlebeni zenkosi yami; lu nga vuti ulaka lwako encekwini yako: ngokuba u nga ngoFaro wena.

19 Inkosi yami ya buza izinceku zayo, i ti, Ni noyihlo, ni nomfo wenu na?

20 Sa ti enkosini yetu, Si nobaba, ixegu, nomtwana wobudala bake, omcinyane; umne wabo ka seko, u se sele yedwa kwaba ka nina, uyise u ya m tana.

21 Wa tyo wena ezincekwini zako, M ehliseni ni m lete kimi, ukuba ngi beke amehlo ani pezu kwake.

22 Sa ti enkosini yetu, Umfana a nge m shiye uyise: nxa e m shiya, uyise a nga fa.

23 Wa tyo ezincekwini zako, nxa e ngehli umne wenu, a ni sa yi kububona ubuso bami.

24 Kwa ti se si kupukele encekwini yako, ubaba, sa m tyela amazwi enkosi yetu.

25 Wa ti ubaba, Buyelani ni si tengele ukudhla oku incozana.

26 Sa ti, Si ngehle: uma umne wetu e hamba nati, si ya kwehla; ngokuba si nge bone ubuso ba lomuntu, uma umne wetu e nge ko ki tina.

27 Ya ti kitina inceku yako, ubaba, Ni yazi umkami wa ngi zalala amadodana amabili:

28 Omunye wa puma kimi, nga ti, Imbala, u detyuliwe; iloku ku ze ku be manje a ngi m boni:

29 Nxa ni m tabata na lo, ni m suse kimi, nenxa e hlelwa, ni ya kuzehlisela izimvi zami elibeni zi nobuhlungu.

30 Ngako uma ngi fika encekwini yako, ubaba, umfana e nge ko kitina; loku inhliziyoyi yake i bambelele enhliziyweni yake;

31 Ku ya kuthi, e sa bona umfana e nge ko kitina, a fe: izinceku zako zi ya kuzehlisela izimvi zenkeku yako, ubaba, elibeni, e nobuhlungu.

32 Ngokuba inceku yako ya m tembisa ubaba ngomfana, i ti, Nxa ngi nga m buyiseli kuwe, ngi ya kuba necala kubaba ku ze ku be nini.

33 Ngako a ke i hlale inceku yako endaweni yomfana, i be isigqili senkosi yami: a kupuke umfana nabafo wabo.

34 Ngokuba ngi za kukupukela kanjani kubaba, umfana e nge ko kimi na? funa ngi bone okubi oku za ku m ehlela ubaba.

#### ISAHLUKO 45.

**K**ONA uJosefa wa e nge nakuzibamba pambi kwabo bonke abemiyo naye; wa memeza, e ti, Pumisani abantu bonke kimi. Kwa ku nge mi umuntu naye, uJosefa e sa zazisa kubafo wabo.

2 Wa kala e pumisela, bezwa abasEgipite nendhlu ka Faro.

3 Wa ti uJosefa kubafo wabo, Ngi NguJosefa; ubaba u se kona na? Abafo wabo ba be nge na kupendula; ngokuba betuka ebusweni bake.

4 Wa ti uJosefa kubafo wabo, A ke ni sondele kimi. Ba sondela, Wa ti, Ngi nguJosefa umne wenu, ena tengisa ngaye Egipite.

5 Kepa ni nga dabuki, ni nga zisoli ngokuba na tengisa ngami lapa: ngokuba uTixo wa ngi tuma pambili kwenu ukusindisa.

6 Ngokuba ngaleminyaka emibili ku kona indhlala ezweni: ku sele iminyaka emihlanu, oku nga yi kulinywa ku vunwe ngayo.

7 uTixo wa ngi tuma pambili kwenu ukuba a nenzele inzalo ezweni, a ni sindise ngokukululwa okukulu.

8 Ngako kwa ku ngeso nina, ena ngi tuma lapa; kwa ku uTixo: u ngenzile ngi be uyise ka Faro, ngi be inkosi yendhlu yonke yake, ngi buse ezweni lonke la sEgipite.

9 Tyetyani, ni kupuke, ni ye kubaba, ni ti kuye, U ti uJosefa, indodana yako, uTixo u ngenzile ngi be inkosi yezwe lonke la sEgipite: yehla, u ze kimi, u nga libali.



10 U ya kwaka ezweni la seGosheni, u be seduze nami, wena nabantwana bako, nabantwana babantwana bako, nezimvu zako, nezinkomo zako, nako kooke o nako :

11 Ngi ya kukondhla kona; ngokuba i sele ininyaka emihlanu yendhlala; funa wehlelwa ubumpofu, wena, nendhlu yako, nako konke o nako.

12 Bhekani, amehlo enu a ya bona, namehlo omne wami uBenjamini ukuti, uwo umlomo wami o kuluma nani.

13 Ni ya kumtyela ubaba ngenhlanhla yonke yami Egipte, na ngako konke eni ku bonileyo; a ke ni tyetye, ni m ehlike ubaba ni m lete kimi.

14 Wa wa entanyeni kuBenjamini, umne wabo, wa kala; naye uBenjamini wa kala entanyeni yake.

15 Wa banga abafu wabo bonke, wa kala pezu kwabo: ngasemva kwaloko abafu wabo ba kuluma naye.

16 Lelozwi lezwakala endhlini ka Faro, li ti, Ba fikile abafu wabo ka Josefa: kwa ku kuhle kuFaro, na kuzo izinceku zake.

17 Wa ti uFaro kuJosefa, Yityo kubafu wenu ukuti, Yenzani loku; twesani izimbongolo zenu, ni ye ezweni la seKenani;

18 Ni tabate uyihlo nezindhlu zenu ni ze kimi: ngi ya kumnika ubuhle bezwe la sEgipte, ni ya kudhla okumnandi kwezwe.

19 Se u yaliwe, yenzani loku: tabateleni abantwana benu nomkenu izinewele ezweni la sEgipte, ni m tabate uyihlo, ni ze.

20 Ni nga nakekeli izinto zenu, ngokuba obenu ubuhle bezwe lonke la sEgipte.

21 Benza njalo abantwana baka Israeli: uJosefa wa ba pa izinewele njengokutyoka kuka Faro; wa ba pa nompako.

22 Wa ba pa bonke izingubo zokupendulela; kepa wa mu pa uBenjamini amashékeli esiliva amakulu amatatu, nezingubo zokupendulela kahlanu.

23 Wa tuma na kuyise, izimbongolo ezi ishumi, zi twele okuhle kwa sEgipte, nezimbongolo zensikazi, zi twele amabele nezinkwa nenyama, ku be umpako ka yise endheleni.

24 Wa ba mukisa abafu wabo, be muka: wa ti kubo, Ni nga xabani endheleni.

25 Ba kupuka Egipte, ba ya ezweni la seKenani, kuJakobe uyise.

26 Ba m tyela, ba ti, uJosefa u se kona,

u ngumbusi wezwe lonke la sEgipte. Ya ti inhliziyu yake ya i polile, ngokuba e nga kolwanga ibo.

27 Ba m tyela amazwi onke ka Josefa, a be wa tyilo kubo: wa bona izinewele, uJosefa a be zi tumileyo ukumtabata, kona ya tokoza inhliziyu ka Jakobe uyise.

28 Wa ti uIsraeli, Se kwanele; u se kona uJosefa, indodana yami, ngi ya kuya, ngi m bone, ngi nga ka fi.

#### ISAHLUKO 46.

U ISRAELI wesuka nako konke okwake, wa ya eBersheba, wa m hlabela uTixo ka yise uSaka iniinikelo.

2 uTixo wa kuluma ku Israeli ngezibonakaliso zobusuku, wa ti, Jakobe, Jakobe. Wa ti, ngi lapa.

3 Wa ti, Ngi nguTixo uTixo ka yihlo: u ngesabi ukwehla ukuya Egipte; ngokuba ngi ya kukwenza kona, u be isizwe esikulu:

4 Ngi ya kwehla nawe, ngi ye Egipte; ngi ya kubuya ngi kwenyuse: uJosefa u ya kubeka isandhla sake pezu kwamehlo ako.

5 uJakobe wesuka eBersheba: amadodana ka Israeli a m tuta uJakobe uyise, nabantwana bawo nomkawo, ngezincwele, uFaro a be zi tumile ukumtabata.

6 Ba tabata izinkomo zabo, nezinto zabo, aba zi zuzayo ezweni la seKenani, be za Egipte, uJakobe na yo youke inzalo yake.

7 Amadodana ake, namadodana amadodana ake, namadodakazi amadodana ake, inzalo yake yonke wa i yisa na ye Egipte.

8 Lawa a ngamagama amadodana ka Israeli, ezayo Egipte, uJakobe namadodana ake: uRubeni, izibulo lika Jakobe.

9 Amadodana ka Rubeni; uHanoki, noFalu, noHezeroni, noKarmi.

10 Amadodana ka Simeoni; uJemuli, noJamini, noOhadu, noJakini, noZehari, noShaule indodana yesifazana sa seKenani.

11 Amadodana ka Levi; uGershoni, noKohati, noMerari.

12 Amadodana ka Juda; uEri, noOnani, noShela, noFarezi, noZara; uEri noOnani ba fa ezweni la seKenani.

13 Amadodana ka Isakari; uTola, noFuva, noJobe, noShimroni.

14 Amadodana ka Zebuloni; uSeredi, noEloni, noJaleli.

15 Lawa a ngamadodana ka Lea, a m

zalela uJakobe uPadanaramu, na ye uDina indodakazi yake: amadodana namadodakazi ake onke a-be ngabantu aba amashumi amatatu nantatu.

16 Amadodana ka Gadi; uZifoni, noHagi, noShuini, noEzeboni, noEri, noArodi, noArelu.

17 Amadodana ka Asheri; uJimna, noIshua, noIsui, noBeria, noSera udade wabo: amadodana ka Beria: uHeberu, noMalekile.

18 Lawa a ngamadodana ka Zilpa, owa piwa uLabani uLea indodakazi yake, wa m zalela uJakobe wona, abantu aba ishumi nesitupa.

19 Amadodana ka Ratyeli, umka Jakobe; uJosefa noBenjamini.

20 uJosefa wa zala uManasa noEfraimi ezweni la sEgipite, aba m zelelwa uAse-nati indodakazi ka Potifera, umpristi wa seOni.

21 Amadodana ka Benjamini a be ngu-Bela, noBekeri, noAshbeli, noGera, no-Namani, noEhi, noRoshe, noHupimi, noArda.

22 Lawa a ngamadodana ka Ratyeli, a zalwa uJakobe: bonke ba be abantu aba ishumi nane.

23 Amadodana ka Dani: uHushimi.

24 Amadodana ka Naftali; uJazeli, noGuni, noJezeri, noShilemi.

25 Lawa a ngamadodana ka Bilha; owa piwa uLabani uRatyeli indodakazi yake, wa m zalela uJakobe wona; bonke ba be abantu aba isikombisa.

26 Abantu bonke abeza na ye uJakobe Egipite, abazalwa uye, ngapandhle komka madodana ka Jakobe, bonke ba be abantu aba ngamashumi a tatisitupa a nesitupa;

27 Amadodana ka Josefa, a zalwa Egipite, a be ngabantu a babili: abantu bonke bendhlu ka Jakobe, abeza Egipite, ba be ngamashumi a isikombisa.

28 Wa tuma uJuda pambi kwake ku-Josefa, ukuba a m kombise pambi kwake ukuya eGosheni.

29 uJosefa wa lungisa inewele yake wa ya kumhlangabeza uIsraeli uyise, eGosheni, wa zibonakalisa ku ye; wa wa entanyeni yake, wa kala e hlala entanyeni yake.

30 Wa ti uIsraeli ku Josefa, A ke ngi fe kaloku, se ngi bonile ubuso bako, u se kona.

31 Wa ti uJosefa kubafu wabo na kuyo indhlu ka yise, Ngi za kukupuka, ngi m tyele uFaro, ngi ti kuye, Ba fiki-

le kimi abafu wetu, nendhlu ka baba, aba be sezweni la seKenani;

32 Abantu a ba ngabalusi, ngokuba ba ngabantu bezinkomo; ba fikile nezimvu zabo, nezinkomo zabo, nako konke aba nako.

33 Ku ya kuti, nxa uFaro e ni biza, a ti, I ini imisebenzi yenu na?

34 Ni ya kuti, Izinceku zako zi ngabantu bezinkomo, kwa sebutyeni betu ku ze ku be manje, tina, nokoko betu: ukuba ni hlale ezweni la seGosheni, ngokuba aba sEgipite ba ya nengwa abalusi bonke.

#### ISAHLUKO 47.

UJOSEFA wa ya wa m tyele uFaro, uwa ti, U fikile ubaba, nabafo wetu, nezimvu zabo, nezinkomo zabo, nako konke aba nako, be vela ezweni la seKenani; bheka, se be sezweni la seGosheni.

2 Wa tabata abanye abafu wabo, abantu aba isihlanu, wa ba misa pambi ku-ka Faro.

3 Wa ti uFaro kubafu wabo, I ini imisebenzi yenu na? Ba ti kuFaro, Izinceku zako zi ngabalusi, tina, nokoko betu.

4 Ba ti futi kuFaro, Si ze ukwaka ezweni; ngokuba izinceku zako a zi ndhlelo lezinkomo; ngokuba indhlala i nzima ezweni la seKenani; ngakoke izinceku zako a ke zake ezweni la seGosheni.

5 Wa tyo uFaro ku Josefa ukuti, Uyihlo nabafo wenu ba fikile ku we:

6 Izwe la sEgipite li sebusweni bako; m hlalise uyihlo nabafo wenu ezweni elihle kulo lonke izwe; ma bake ezweni la seGosheni; uma u bazi abantu ba kubo aba nesu, u benze ba be izingewele zezinkomo zami.

7 uJosefa wa ngenisa uJakobe uyise, wa m misa ebusweni buka Faro: uJakobe wa busisa uFaro.

8 Wa ti uFaro kuJakobe, Izinsuku zeminyaka yokuhamba kwako zi nga pi na?

9 Wa ti uJakobe ku Faro, Izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami zi iminyaka e ikulu namashumi amatatu: a zi ngakanani, za zi nomuyi izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami, a zi nga ngezinsuku zeminyaka yokuhamba kokoko bami emihleni yokuhamba kwabo.

10 uJakobe wa m busisa uFaro, wesuka ebusweni buka Faro.

11 uJosefa wa e hlalisa uyise nabafo

wabo, wa ba pa izwe ezweni la sEgipite, ezweni elihle, ezweni la seRamesi, nje- ngokuyalela kuka Faro.

12 uJosefa wa m ondhla uyise nabafo wabo, nendhlu yonke ka yise, ngo- kudhla okwanela izindhlu zabo.

13 Kwa ku nge ko ukudhla ezweni lonke; ngokuba indhlala ya inzima ka- kulu: izwe la sEgipite, nezwe la seKe- nani, la fa ngenxa yendhlala.

14 uJosefa wa buta imali yonke eya tolwa ezweni la sEgipite na sezweni la seKenani, ngamabele aba wa tengayo: uJosefa wa yisa imali endhlini ka Faro.

15 Kwa ti se i pelile imali ezweni la sEgipite, na sezweni la seKenani, bonke aba sEgipite be za ku Josefa, ba ti, Si pe ukudhla: si zo felani ebusweni bako na? imali yetu i si pelile.

16 Wa ti uJosefa, Letani izinkomo zenu; ngi ya kutenga izinkomo uma i pelile imali.

17 Ba leta izinkomo zabo ku Josefa: uJosefa wa tenga amahashi, nezimvu, nezinkomo, nezinjomane wa ba nika ukudhla: wa ba nika ukudhla ngezi- nkomo zabo zonke; ngalowomnyaka.

18 Kwa ti se u pelile lowomnyaka, be za ku ye, ngomnyaka wesibili, ba ti, A si yi kufihla enkosini yetu, imali yetu i si pelile: inkosi yetu i nezininkomo zetu futi, a ku sa sele luto ebusweni benkosi yetu, imizimba yetu namazwe etu, ku- pela.

19 So felani emehlweni ako na? tina namazwe etu? A ku si tenge tina na- mazwe etu nokudhla; si za kuba izi- gqili zika Faro, tina namazwe etu: si nike imbeu, ukuba si sinde, si nga fi, nezwe li nga citeki.

20 uJosefa wa m tengela uFaro izwe lonke la sEgipite; ngokuba bonke aba sEgipite ba tengisa ngamazwe abo, ngo- kuba indhlala ya ba hlula: izwe la ba e lika Faro.

21 Abantu, wa ba susa, ba ya emizini eminye, ba qala ecaleni elinye la sEgi- pite, ba ya ba fika kwelinye icala elinye lalo.

22 Izwe labapristi lodwa a nga li te- nganga, ngokuba abapristi ba be nesa- belo aba sa belwa uFaro, ba dhla isabelo sabo, a ba pa sona uFaro: ngako a ba tenganga ngamazwe abo.

23 Wa ti uJosefa kubantu, Bhekani, ngi m tengele uFaro namhla nina ne- zwe lenu: nansi imbeu yenu, limani umhlabati.

24 Ku ya kuti ngesitelo, ni m nike uFaro okwesihlanu, okune ku be okwe- nu, ku be imbeu yamasimu, nokudhla kwenu, nokwezindhlu zenu, ku be uku- dhla nokwabantwana benu.

25 Ba ti, U si sindisile; a si zuze umu- sa emehlweni enkosi yetu, si za kuba izigqili zika Faro.

26 uJosefa wa memezela umteto ezwe- ni la sEgipite, ku ze ku be namhla, uku- ti, uFaro u si za kuba nokwesihlanu, ku- pela izwe labapristi lodwa, e la li nge silo e lika Faro.

27 uIsraeli wa hlala ezweni la sEgi- pite, ezweni la seGosheni; ba fuya ko- na, ba zala, banda kakulu.

28 uJakobe wa hlala ezweni iminyaka e ishumi nesikombisa: izinusuku zika Jakobe, iminyaka yokuhamba kwake, ya be i ikulu namashumi amane a nesikombisa.

29 Kwa sondela isikati, a za ku fa ngaso uIsraeli; wa i biza indodana ya- ke uJosefa, wa ti kuye, uma ngi zuzile umusa emehlweni ako, a ke u beke isandhla sako etangeni lami, u nge- nzele umusa, neqiniso; u nga ngi mbe- li Egipite:

30 Ngí ya kulala nokoko bami, u ya kungitabata, u ngi suse Egipite, u ngi mbele elibeni labo. Wa ti, Ngí ya ku kwenza njengokutyo kwako.

31 Wa ti, Funga kimi, wa funga kuye. Kona uIsraeli wa kotama esihlokweni sombede.

#### ISAHLUKO 48.

**K**WA ti ngasemva kwaloko kwa tyi- wo ku Josefa ukuti, Bheka uyihlo u ya fa: wa tabata amadodana amabili ake, uManasa noEfraini, wa hamba nabo.

2 Kwa m bikelwa uJakobe ukuti, Bhe- ka, indodana yako uJosefa u se za ku- we: kona uIsraeli wa ziqinisa, wa hlala embedeni.

3 Wa ti uJakobe ku Josefa, uTixo uSo- mandhla wa bonakala kimi eLuzi ezwe- ni la seKenani, wa ngi busisa,

4 Wa ti kimi, Bheka, ngi ya kuku- zalisa, ngi kwandise, ngi kwenze u be izizwe eziningi; ngi ya kuinika leli zwe inzalo yako emva kwako, li be izwe layo njalo.

5 Amadodana amabili ako, uEfraini noManasa, a zalwa uwe ezweni la sEgi- pite ngi nga ka fiki kuwe Egipite, a ngawami; njengoRubeni noSimeoni, a za kuba awami.

6 Keba inzalo yako, o za ku i zala emva kwabo, i ya kuba eyako, i ya ku bizwa ngegama labafu wabo efeni labo.

7 Ekusukeni kwami ePadani, nga felwa uRatyeli, ezweni la seKenani endhleleni, ngi nesikatyana ukufika Efrati: nga ni mbela kona endhleleni e ya Efrati; oku iBetelehema.

8 uIsraeli wa bona amadodana ka Josefa, wa ti, Obani laba na?

9 Wa ti uJosefa ku yise, Ba ngamadodana ami, uTixo a ngi nikile wona lapa. Wa ti, A ke u ba lete kimi, ngi ba busise.

10 Amehlo ka Israeli a se fipele ngenxa yobudala, ukuba a nga boni. Wa ba sondeza kuye, wa banga, waba gona.

11 Wa ti uIsraeli kuJosefa, Nga ngi ti, a ngi sa yi kububona ubuso bako: kodwa, bheka, uTixo u ngi bonisile nayo inzalo yako.

12 uJosefa wa ba susa ematangeni ake, wa kotama pansi ngobuso bake.

13 uJosefa wa ba tabata bobabili, uEfraimi ngesokunene sake e ngakwesokohlo sika Israeli, uManasa ngesokohlo sake, e ngakwesokunene sika Israeli, wa ba sondeza kuye.

14 uIsraeli wa selula isandhla sake sokunene, wa si beka ekanda lika Efraimi omcinyane, nesokohlo ekanda lika Manasa, wa zi pambanisa izandhla zake ngamabomu; ngokuba uManasa wa be izibulo.

15 Wa m busisa uJosefa, wa ti, uTixo, abahamba pambi kwake obaba, uAbrahamana noIsaka, uTixo o ngondhlile se loku nga vela ku ze ku be manje,

16 Isitunywa esi ngi sindisile ebubini bonke a si busise abafana; ma ba bizwe ngegama lami, na ngegama la obaba uAbrahamana noIsaka; a bande ba be bamingi ezweni.

17 uJosefa wa bona uyise e beka esokunene ekanda lika Efraimi, kwa ba kubu kuye; wa si bamba isandhla sika yise ukuba a si suse ekanda lika Efraimi, a si beke ekanda lika Manasa.

18 Wa ti uJosefa ku yise. Ai, baba; ngokuba lo u izibulo; bheka esokunene ekanda lake.

19 Wala uyise; wa ti, Ngi yazi, ndodana yami, ngi yazi: naye u ya kuba isizwe, naye u ya kuba mkulu kuye, kodwa umne wake u ya kuba mkulu kuye, inzalo yake i ya kuba izizwe eziningi.

20 Wa ba busisa ngalomhla, wa ti,

Ngawe uIsraeli u ya kubusisa, e ti, uTixo ka kwenze u be njengoEfraimi na njengoManasa: wa beka uEfraimi pambi kuka Manasa.

21 Wa ti uIsraeli ku Josefa, Bheka, ngi za kufa: kepa uTixo u ya kuba nani, a ni buyisele ezweni la oyihlo.

22 Keba ngi ku nike wena elinye izwe ku nabafo wenu, enga li tabata esandhleleni samaAmori ngesinkemba sami na ngomcibityelo wami.

#### ISAHLUKO 49.

**U**JAKOBE wa biza amadodana ake, wa ti, Butanani, ngi za kunityela loku oku za kunifikela ngezinsuku ezizayo.

2 Butanani, ni zwe, madodana ka Jakobe; lalalani uIsraeli uyihlo.

3 Rubeni, u izibulo lami wena, amandhla ami, ukuqala kobudoda bami, ubukulu bobukosi, ubukulu bamandhla:

4 A u mi ndawonye njengamanzi, a u yi kuba nabukulu; ngokuba wa kwela embedeni ka yihlo; kona wa lona ukuko lwami, wa kwela yena.

5 uSimeoni noLevi ba izelamane, izinkemba zabo zi izikali zokupanga.

6 Nhliziyo yami, u nga ngeni ceebweni labo; bukosi bami, u nga hlangani nebandhla labo; ngokuba ngolaka lwabo ba bulala abantu, na ngonya lwabo benza izinkomo izihole.

7 Lwa nengeka ulaka lwabo, ngokuba lwa lu sabeka; nokutukutela kwabo, ngokuba kwa ku tyisa: ngi ya kubahlukanisa pakati kuka Jakobe, ngi ba hlakaze pakati kuka Isareli.

8 Juda, wena, abafu wenu ba ya kukubonga: isandhla sako si ya kuba entanyeni yezita zako, abantwana baka yihlo ba ya kukotamela kwena.

9 uJuda u iundhlu lengonyama: ndodana yami, wesuka empangweni: wa guqa yena wa lala njengengonyama njengengonyama e kulileyo u ya kuvuswa ubani na?

10 Intonga yobukosi a i yi kupela ku Juda, nombusi pakati kwezinyawo zake, a ze a fike uShilo; izizwe zi ya kubambelela kuye.

11 Wa bopa injomanyana yake evinini, itole lenjomane yake evinini elihle; wa geza izingubo zake ngewaini, izivato zake ngezinhlamvu zevini.

12 Amehlo ake a bomvu iwaini, amazinzo ake a nihlope ubisi.

13 uZebuloni u za kwaka ngasetekwi-

ni, a be iteku lemikumbi; umkaulo wake u ya kufika eZidoni.

14 uIsakari u injomane e namandhla e lala esigcawini :

15 Wa buka ukupumula ku mnandi, izwe li tandeka ; wa nika ihlombe lake ukuba a twale, wa ba inceku e konzayo ;

16 uDani u ya kubusa abantu bake njengezinye izizwe zika Israeli.

17 uDani u ya kuba inyoka endhleleni, inhlanguwana enyatukweni, e luma izinyawo zehashi, a nga wa nyovane o li kwelayo.

18 Jehova, ngi ya hlalela ukusindisa kwako.

19 uGadi, impi i ya kumahlula : kodwa u ya kwahlula ekugcineni.

20 Ku ya kuvela kuAshuri ukudhla kwake okunonileyo, u ya kutela okumtoti kwamakosi.

21 uNaftali u yinhlango e hambayo : u ya veza amazwi a mnandi.

22 uJosefa u ngumuti otelayo, umuti otelayo o semtonjeni ; amagatya awo a kwela otangweni.

23 Abanemicibityelo ba m kataza, ba m tyaya, ba m lalala :

24 Kodwa umeibityelo wake wa hlala u qinile, amandhla ezandhla zake a qiniswa izandhla zomNinimandhla ka Jakobe ; e vela umalusi, itye lika Israeli.

25 A qiniswa uTixo ka yihlo, o za ku ku siza, umNinimandhla, o za ku kubusisa ngokuhle kwezulu e li pezulu, na ngokuhle kwamanzi amakulu a hleziyo pansi, na ngokuhle kwamabele nesisu :

26 Izibusiso zika yihlo zi yadhlula izibusiso zezintaba ezi mi pakade, okuhle kweminyango e hlezi mandulo : i ya kuba sekanda lika Josefa, esihlokweni sake owa hlukana nabafu wabo.

27 uBenjamini u impisi : kusasa u ya kudhla a ku bambileyo, nakusihlwa u ya kwabela a ku pangileyo.

28 Bonke laba ba izizwe ezi ishumi nambili zika Israeli ; naloku iloko a ku tyoyo uyise kubo, wa ba busisa ; wa ba busisa bonke njengezibusiso zabo.

29 Wa ba yala wa ti kubo, ngi ya kwelekelwa kwa bakiti ; a ke ni ngi mbele ku baba emhumeni o sezweni lika Efroni umHiti,

30 Emhumeni o sezweni la seMakpela, panibi kwa seMamre, ezweni la seKenani, uAbrahama a u tengayo kanye nezwe ku Efroni umHiti, ku be izwe lake lokumbelwa.

31 Ba mbela kona uAbrahama noSara umkake ; ba mbela kona uIsaka noRebeka umkake ; nga mbela kona noLea.

32 Izwe nomhumi o kulo kwa tengwa kuwo amadodana ka Heti.

33 uJakobe se e qedile ukuyala amadodana ake, wa finyeza izinyawo zake, wa fa ; welekelwa kubantu ba kubo.

ISIAHLUKO 50.

UJOSEFA wa wa ebusweni buka yise, wa kala pezu kwake, wa manga.

2 uJosefa wa yalela izinceku zake, izinyanga, ukuba zi lungise uyise : izinyanga za m lungisa uIsraeli.

3 Za pelela izinsuku zake ezi amashumi amane ; ngokuba za pelela njalo izinsuku zabalungiswayo : abasEgipite ba m kalela izinsuku ezi amashumi a kombisa.

4 Kwa ti se zi dhlulile izinsuku zokumkalela, uJosefa wa kuluma nendhlu ka Faro, wa ti, Uma ngi zuzile umusa emehlweni enu, a ke ni kulume ezindhlebeni zika Faro, ni ti,

5 Ubaba wa ngi fungisa, wa ti, Bheka, se ngi za kufa : elibeni lami, enga zimbelala lona ezweni la seKenani, u ya ku ngi mbela kona. A ke ngi kupuke, ngi mbele ubaba, ngi ya kubuya.

6 Wa ti, uFaro, Kupuka, u mbele uyihlo, njengaloko a ku fungisayo.

7 uJosefa wa kupuka ukumbela uyise : kwa kupuka naye izinceku zonke zika Faro, abakulu bendhlu yake, nabakulu bonke bezwe la seEgipite,

8 Nendhlu yonke ka Josefa, nabafu wabo, nendhlu ka yise : ba shiya ezweni la seGosheni abantwana babo bodwa, nezimvu zabo nezinkomo zabo.

9 Kwa kupuka naye izinewele nabakwela amahashi : kwa ba ibanhlala elikulu kakulu.

10 Ba fika esibuyeni sika Atadi, ngapesheya kweJordan, benza kona ukukala okukulu okunzima kakulu : wa m enzela uyise isililo izinsuku ezi kombisa.

11 Ba ti abakileyo ezweni, amaKenani, se be bonile ukukala esibuyeni sika Atadi, ba ti, Loku ku isililo esikulu sabasEgipite : ngako igama la leyondawo la tiwa, iAbelmizraimi, oku ngapesheya kweJordan.

12 A ti amadodana ake a m enzela njengaloko a be wa yalele kona.

13 Amadodana ake a m yisa ezweni la seKenani, a m mbela emhumeni o se-

zweni la seMakpela, uAbrahama a u tengayo kanye nezwe ku Eferoni, umHiti, ku be izwe lake lokumbelwa, ngapambi kwa seMamre.

14 uJosefa se e mbele uyise wa buyela Egipte, yena nabafo wabo, nabo bonke aba kupuka naye ukumbela uyise.

15 Aabafo wabo ka Josefa, be bona ukuba u file uyise, ba ti, Mhlaumbi uJosefa u ya kusizonda, a si pindise noku-pindisa okubi konke esa kwenza kuye.

16 Ba m yala uJosefa, ba ti, uyihlo, e nga ka fi, wa yala wa ti,

17 Ni ya kutyo kuJosefa ukuti, A ke u tetelele abafo wenu icala labo, ukona kwabo; ngokuba ba kwenzela okubi: kaloku a ke u tetelele izinceku zika Tixo ka yihlo isono sazo. uJosefa wa kala be sa kuluma kuye.

18 Aabafo wabo ba ya nabo ba wa pansi ebusweni bake; ba ti, Si izinceku zako.

19 Wa ti uJosefa kubo, Ni ngesabi; ngi sendaweni ka Tixo na?

20 Nina na ngi cabangela okubi; kodwa uTixo wa cabanga ukuba kuhle,

ukuba a kwenze ku be njenga namhla, a sindise abantu abaningi.

21 Ngako ni ngesabi: ngi ya kunondhla nina nabantwana benu.

22 uJosefa waka Egipte yena nendhlu ka yise: uJosefa wa hamba iminyaka e ikulu neshumi.

23 uJosefa wa bona abantwana baka Efraime besizukulwane sesitatu: nabantwana baka Makiri indodana ka Manasa, ba zalelwa ematangeni ka Josefa.

24 Wa ti uJosefa kubafo wabo, Se ngi za kufa: uTixo u ya kuza impela ukuba a ni bonise, a ni kipe ezweni leli, a ni yise ezweni, a li nika uAbrahama noIsaka, noJakobe, e funga. Wa ba nomhau nabo, wa kuluma kahle kubo.

25 uJosefa wa fungisa amadodana ka Israeli, e ti, uTixo u ya kuza impela a ni bonise, ni ya kuwakupula lapa amatambo ami.

26 Wa fa uJosefa, e neminyaka e ikulu neshumi: ba m lungisa, wa fakwa empongolweni Egipte.

INCWADI YESIBILI KA MOSI E TIWA

UEKSODUSI.

ISAHLUKO 1.

**L**AWA a ngamagama abantwana baka Israeli, aba, fika Egipte noJakobe: kwa ilowo, wa fika nendhlu yake:

2 uRubeni, uSimeoni, uLevi no Juda,

3 uIsakari, u Zebuloni noBenjamini,

4 uDani, noNaftali, uGadi noAsheri,

5 Bonke abantu aba puma okalweni luka Jakobe ba be ngabantu aba amashumi a isikombisa; uJosefa wa e se kona Egipte.

6 Wa fa uJosefa, nabo bonke abafo wabo, naso sonke lesosizukulwane.

7 Abantwana baka Israeli ba zala, banda, ba ba baningi, ba vama kakulu kakulu, izwe la gewala ibo.

8 Kwa vela inkosi entya Egipte eya i nga n'azi uJosefa.

9 Ya ti kubantu bayo, Bhokani, abaka Israeli baningi, ba namandhla ku nati.

10 Minani, a si ba hlakanipele, funa bande, ku ze ku ti, nxa ku liwa, ba hlanguane nezita zetu, ba lwe nati bemuke ezweni.

11 Ba ba misela izinduna zokubamela, ukubahlupa ngemisebenzi yabo. Ba m akela uFaro imizi yokubekelela, iPitomi neRamesesi.

12 Kepa ngokubahlupa kwabo, kwaba ikona banda be vama. Ba ba novalo ngenxa yabaka Israeli.

13 AbasEgipte ba ba sebenzisa ngamandhla abaka Israeli.

14 Ba benza ba hlala ngokuhlupeka ngemisebenzi esindayo, odakeni, na sesitini, na sekusebenzeni konke emasimini; kwa sinda imisebenzi yonke aba ba sebenzisa yona.

15 Inkosi ya sEgipte ya tyo kubabelitisi, bamaHeberu (igama lomunye la li nguShifra, elomunye la li nguPua,)

16 Ya ti, Nxa ni beletisa amaHeberu, bhokani ni se sezihlalweni, uma ku umfana, a no m bulale, uma ku intombazana, a i pile.

17 Kepa ababeletisi ba m esaba uTixo, a benzanga njengokutyo kwenkosi ya sEgipte kubo; ba ba sindisa abafana.

18 Inkosi ya sEgipite ya biza ababeletisi, ya ti kubo, Nenzeleni loku na? ukupilisa abafana.

19 Ababeletisi ba ti kuFaro, abafazi bamaHeberu ka ba fani nabafazi ba sEgipite, ba namandhla, ba beleta e nga ka fiki kuwo umbeletisi.

20 uTixo wa ba pata kahle ababeletisi, abantu banda, ba vama kakulu.

21 Kwa ti, ngokuba ababeletisi ba m esaba uTixo, wa bakela izindhlu.

22 uFaro wa ba yala abantu bake bonke, e ti, Abafana bonke abazalwayo ba ponseni emfuleni, ni pilise amantombazana onke.

## ISAHLUKO 2.

**K**WESUKA umuntu wendhlu ka Levi, wa ganwa indodakazi ka Levi.

2 Lomfazi wa kulelwa wa zala indodana; wa m bona ukuti muhle, wa m tukusa izinyanga ezintatu.

3 E nga se nakumtukusa, wa m tabatela isikepe sekwanu, wa si huqa ngebitume na ngetiye, wa beka unitwana kuso; wa si beka emhlangeni, ogwini lomfala.

4 Udade wabo wa ya, wema kude ukubona ukuba ku za kwenzekani kuye.

5 Indodakazi ka Faro yehla ya ya kugeza emfuleni; amantombazana ayo a hamba ecelelani komfala; ya bona isikepe emhlangeni, ya tuma intombazana yayo, uku si tabata.

6 Ya si vula, ya bona umntwana, bheka, ingane ya kala. Ya yi haukela, ya ti, Lo u umntwana wamaHeberu.

7 Udade wabo wa ti kuyo indodakazi ka Faro, Ngi hambu, ngo ku bizela umzanyana kuwo amaHeberu, a ku ncelisele umntwana na?

8 Ya ti indodakazi ka Faro kuye, Hamba. Yesuka intombazana, ya ya yabaza unina womntwana.

9 Ya ti indodakazi ka Faro kuye, Hamba na lomntwana, u ngi ncelisele yena, ngi ya kukukokela. Umfazi wa tabata umntwana, wa m ncelisa.

10 Umntwana wa kula; wa m yisa kuyo indodakazi ka Faro, wa ba indodana yayo. Ya qamba igama lake uMosi; ya ti, Ngokuba ngi m kipile emanzini.

11 Kwa ti nga lezozinsuku, uMosi, se e kulile wa puma wa ya kubafo wabo, wa buka imisebenzi yabo, wa bona umEgipite e tyaya umHeberu, umuntu wa kubo.

12 Wa bheka ngalapa na ngalapa, wa bona ukuti a ku ko umuntu, wa m bulala umEgipite, wa m tukusa esihlabatini.

13 Wa puma ngosuku lwesibili, bheka amaHeberu amabili a e xabene; wa ti kowonileyo, U m tyayelani umfo wenu?

14 Wa ti, U bekwe ubani u be inkosi nomahluli pezu kwetu na? u ti u za kungibulala nami njengaloko u bulale umEgipite na? Wesaba uMosi, wa ti, impela ku yaziwa loku.

15 uFaro e se zwile loko, wa funa ukumbulala uMosi; kepa uMosi wa baleka ebusweni buka Faro, wa ya wa hlala ezweni la seMidiani; wa hlala ngasemtonjeni.

16 Unpristi wa seMidiani wa e namadodakazi a isikombisa, eza ukuka amanzi a gowalisa imipongolo, ukuba a puzise izimvu zika yise.

17 Kwa fika abalusi, ba wa xotya; kepa wesuka uMosi, wa wa mela, wa puzisa izimvu zawo.

18 Se e fikile kuRuli uyise, wa ti, Ni tyetyiswe ini ukubuya namhla na?

19 A ti, Umuntu wa sEgipite wa si kulula esaudhleni sabalusi, wa si kelela amanzi, wa puzisa izimvu.

20 Wa ti kuwo amadodakazi ake, U pi po? ni m shiyeleni lowo muntu na? m bizeni, eze a dhle ukudhla.

21 Umosi wa vuna ukuhlala na lowo muntu; wa m nika uMosi uZipora, indodakazi yake.

22 Wa zala indodana; wa qamba igama layo uGershomi, ngokuba wa ti, Be ngi isihambi ezweni lezizwe.

23 Kwa ti, se ku dhlulile izinsuku eziningi, inkosi ya sEgipite ya fa; abaka Israeli ba bubula ngenxa yemisebenzi, ba kala; ukukala kwabo kwenyukela kuTixo ngenxa yemisebenzi.

24 uTixo wezwa ukukala kwabo, uTixo wa kumbula isiyumelwano sake noAbrahamu, noIsaka, noJakobe,

25 uTixo wa bheka abaka Israeli, uTixo wa bazi.

## ISAHLUKO 3.

**U**MOSI wa e lusa izimvu zika Jetro, umkwe wake, umpristi wa seMidiani; wa quba izimvu wa ya pambili kwehlane, wa fika entabeni ka Tixo, eHorebe.

2 Kwa bonakala kuye ingelosi ka Jehova elangabini lomlilo pakati kwe-sihlahla; wa buka, bheka, isihlahla si vuta umlilo, kepa isihlahla si nga peli.

3 Wa ti uMosi, A ke ngi pambuke, ngi ye ngi bone lesisibonakaliso esikulu, ukuba isihlahla a si tyi ngani?

4 uJehova se e m bonile ukuti u pambukile ukuya kubuka, uTixo wa m biza e pakati kwesihlahla, wa ti, Mosi, Mosi. Wa ti, Ngi lapa.

5 Wa ti, U nga sondeli lapa, kumula izicatulo zako ezinyaweni zako; ngokuba indawo o mi kuyo, i ngumhlabati ongewele.

6 Wa ti, Ngi nguTixo ka yihlo, uTixo ka Abrahamama, uTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe. uMosi wa mboza ubuso bake, ngokuba wesaba ukubheka uTixo.

7 Wa ti uJehova, Ngi bonile ukuhlupeka kwabantu bami abasEgipite, ngi zwile ukukala kwabo ngenxa yezinduna zabo zokabamela; ngi ya zazi izinsizi zabo.

8 Ngehlile ukuba ngi ba kipe esandhlени sabasEgipite, ngi ba kupule ku lelozwe, ngi ba yise ezweni elihle, elikulu, ezweni eli vame ubisi nezinyosi, endaweni yamaKenani, namaHetі, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi.

9 Bhekake, ukukala kwabaka Israeli abasEgipite, ngi bonile ukuhlupeka abasEgipite ba ba hlupa ngako.

10 Minake, ngi za kukutuma kuFaro, ukuba u ba kipe Egipite abantu bami, abaka Israeli.

11 Wa ti uMosi kuTixo, Ngi ngubani mina, ukuba ngi ye kuFaro, ngi kipe abantwana baka Israeli Egipite.

12 Wa ti, Ngi ya kuba nawe; loku ku za kuba isibonakaliso kuwe sokuti ngi ku tumile; Nxa u ba kipile abantu Egipite, Ni ya kumdumisa uTixo ku lentaba.

13 Wa ti uMosi, kuTixo, Bheka, nxa ngi fika kwabaka Israeli, ngi ti kubo, uTixo wa oyihlo u ngi tumile kini, ba ti kimi, Ubani igama lake na? Ngi za kutini kubo?

14 uTixo wa ti kuMosi, NGI UYE ENGI UYE. Wa ti, Yityo kwabaka Israeli, u ti, UNGIUYE u ngi tumile kini.

15 uTixo wa buya wa ti kuMosi, Yityo kwabaka Israeli, u ti, uJehova, uTixo wa oyihlo, uTixo ka Abrahamama, uTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe, u ngi tumile kini. Igama lami leli ku ze ku be pakade, li igama lesikumbuzelo sami ezizukulwaneni zonke.

16 Hamba, u bute izikulu za kwaIsraeli, u ti kuzo, uJehova, uTixo wa oyi-

hlo, uTixo ka Abraham, noIsaka noJakobe, u bonakele kimi, wa ti, Ngi ni bonile, na loku okwenziwe kini Egipite.

17 Ngi tyilo, nga ti, Ngi ya kunikipa ekuhlupekeni kwa sEgipite, ngi ni yise ezweni lamaKenani, namaHetі, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, ezweni eli vame ubisi nezinyosi.

18 Ba ya kulalela izwi lako; wo suka wena, nezikulu za kwaIsareli, ni ye enkosini ya sEgipite, ni ti kuyo, uJehova, uTixo wamaHeberu, u hlange ne nati; a ke u si yeke si hambe si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu; si m hlabele uJehova, uTixo wetu.

19 Kepa ngi yazi, inkosi ya sEgipite a i yi kuvuma, qa, na ngesandhla esi namandhla.

20 Ngi ya kwelula isandhla sami, ngi bulale Egipite ngezimangaliso zami zonke, engi ya kuzenza pakati kwalo; emva kwaloko i ya kuniyeka ni hambe.

21 Ngi ya kubenzela lababantu umusa emehlweni abasEgipite; ku ya kuti, nxa ni muka, a ni yi kumuka ni nga pete luto.

22 Ileso sifazana si ya kucela kowakelene naso na kohlala endhlени yaso izinto zesiliva, nezinto zegolide, nezingubo; ni ya ku zi faka kumadodana enu na kumadodakazi enu ni wanuke abasEgipite.

#### ISAHLUKO 4.

UMOSI wa pendula wa ti, Kepa, bheka, a ba yi kukolwa imi; a ba yi kulalela izwi lami; ba ya kuti, uJehova ka bonakalanga kuwe.

2 uJehova wa ti kuye, Ku ini loku oku sesandhlени sako na? Wa ti, Induku.

3 Wa ti, Iponse pansu. Wa i ponsa pansu, ya penduka inyoka; uMosi wa i balekela.

4 uJehova wa ti kuMosi, Yelula isandhla sako, u i bambe ngomsila. Welula isandhla sake, wa i bamba; ya penduka ya ba induku esandhlени sake;

5 Ukuba ba ze ba kolwe ukuti, uJehova, uTixo wa oyise, uTixo ka Abrahamama, uTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe, u bonakele kuwe.

6 uJehova wa buya wa ti kuye, Faka isandhla sako esifubeni sako. Wa si faka isandhla sake esifubeni sake; wa si kipa, bheka, isandhla sake sa si nobulepero, si njengeqwa.



7 Wa ti, Buyisela isandhla sako esifubeni sako. Wa si buyisela isandhla sake esifubeni sake, wa si kipa esifubeni sake, bheka sa se si pendukile futi si njengomzimba wake.

8 Ku ya kuti, uma be nga kolwa uwe, be nga laleli izwi lesibonakaliso sakuqala, ba ya kukolwa izwi lesibonakaliso samuva.

9 Ku za kuti uma be nga kolwa ilelizi bonakaleso ezibili, be nga laleli izwi lako, u ya kuka amanzi emfuleni, u wa tele emhlabatini omileyo; amanzi, o ya kuwaka emfuleni, a ya kupenduka igazi emhlabatini.

10 Wa ti uMosi kuJehova, E, Nkosi, a ngi siye umuntu o namazwi, na pakade, na iloku wa kuluma encekwini yako; kepa ngi butuntu emlonyeni, ngi butuntu na solimini.

11 Wa ti uJehova kuye, Ubani owenza umlomo womuntu? ubani owenza isimungulu, nesitulu, nobonayo, nempupute? Asi mina Jehova na?

12 A ku hambe; ngi ya kuba nomlomo wako, ngi ku fundise loko o za kukulumela.

13 Wa ti, E, Nkosi, a ke u tume ngesandhla sa lawo o ya ku m tuma.

14 Ulaka luka Jehova lwa m vutela uMosi, wa ti, uAroni ka Levi a siye umfo wenu na? Ngi yazi ukuti, a nga kuluma kahle yena. Futi, bheka, u seza ukukuhlangabeza; se e ku bonile u ya kujabula enhliziyweni yake.

15 U ya kukulumela kuye, u fake amazwi emlonyeni wake; ngi ya kuba nomlomo wako nomlomo wake, ngi ni fundise eni ya kukwenza.

16 U ya ku kukulumela ebantwini, a be umlomo kuwe, wena u be uTixo kuye.

17 Wo pata lenduku ngesandhla sako, ngayo u ya kuzenza izibonakaliso.

18 uMosi wa buyela kuJetro, unkwake wake, wa ti kuye, A ke ngi hambe ngi buyele kubafo wetu abasEgipite, ngi bone ukuba ba sa hlezi kahle na. uJetro wa ti kuMosi, Hamba kahleke.

19 uJehova wa ti kuMosi, e seMidiani, Hamba, u buyele Egipite; ngokuba se ba fa abantu bonke aba funa ukukubulala.

20 uMosi wa tabata umkake, namadodana ake, wa ba kwelisa embongolweni, wa buyela ezweni la sEgipite. uMosi wa pata induku ka Tixo ngesandhla sake.

21 uJehova wa ti kuMosi, Ekubuyeleni kwako Egipite, qonda izimangaliso zonke, engi zi bekileyo esandhleni sako, u zenze pambi kuka Faro; kepa ngi ya kuyenza inhliziyoyake i be lukuni; a ka yi kubavumela abantu ba hambe,

22 Wo ti kuFaro, U tyo uJehova, u ti, uIsraeli u indodana yami, u izibulo lami.

23 Ngi ti kuwe, I vumele indodana yami i hambe, i ye i ngi konze; uma wala ukuba i hambe; bheka, ngi ya kubulala indodana yako, izibulo lako.

24 Kwa ti endhleleni, endhlini yezi-hambi, uJehova wa hlangana naye, wa funa ukumbulala.

25 uZipora wa tabata itye elibukali, wa nquma ijwabu lendodana yake, wa li ponsa ezinyaweni zake, wa ti, U umyeni wegazi wena kimi.

26 Wa m dedela; kona wa ti, umyeni wegazi ngenxa yokusoka.

27 uJehova wa ti kuAroni, Hamba u ye kumhlangabeza uMosi ehlane. Wa ya, wa m funana entabeni ka Tixo, wa m anga.

28 uMosi wa m landisa uAroni amazwi onke ka Jehova, a be m tumile nawo, nezibonakaliso zonke a be m yalele zona.

29 oMosi noAroni besuka ba ya ba buta izikulu zonke zabaka Israeli.

30 uAroni wa kuluma amazwi onke, uJehova a be wa kulumile kuMosi, wa zenza izibonakaliso emehlweni abantu.

31 Abantu ba kolwa; se be zwile ukuti uJehova u ba bhikile abaka Israeli, nokuti u bonile izinsizi zabo, ba kotama, ba kuleka.

#### ISAHLUKO 5.

**E**MVA kwa loko oMosi noAroni, ba ya, ba ti kuFaro, U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Ba vumele abantu bami ba hambe ba ngenzele umhlangano ehlane.

2 Wa ti uFaro, Ubani uJehova, ukuba ngi lalele izwi lake, ngi m vumele uIsraeli a hambe? A ngi m azi uJehova; a ngi yi kumvumela uIsraeli a hambe.

3 Ba ti, uTixo wamaHeberu u hlangane nati, a ke si hambe si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu, si m hlabele uJehova, uTixo wetu, funa a si bulale ngesifo na ngenkamba.

4 Inkosi ya sEgipite ya ti kubo, Ni ba kumulelani abantu emisebenzini yabo, nina Mosi noAroni? hambani, ni ye emisebenzini yenu.

5 uFaro wa ti, Bheka, abantu bezwe se be baningi; ni ya ba libazisa emisebenzini yabo.

6 Nga lolosuku uFaro wa yala abameli abantu nezinduna zabo, wa ti,

7 Ni nga bi ni sa ba nika abantu utyani bokwenza isitini njengakuqala; a ba hanbe ba zifunele utyani.

8 Isilinganiso sesitini, e kade be senza, ba miseleni sona; ni nga si ncipisi; ba yenqena; ngako ba ya kala, ba ti, A si ye, si m hlabele uTixo wetu.

9 A i be nzima imisebenzi ebantwini, ba i sebenze; ba nga laleli amacebo.

10 Ba puma abameli babantu, nezinduna zabo, za kuluma kubantu, za ti, U tyo uFaro, u ti, A ngi zu kuninika utyani.

11 Hambani, ni zitabatele utyani lapo ni nga bu tola kona; ngokuba imisebenzi yenu a i yi kuncityiswa ngaluto.

12 Abantu ba hlakazeka ba ya ezweni lonke la sEgipite, ba buta izibi, zi be i bona utyani.

13 Abameli ba ba quba, ba ti, Qedani imisebenzi yenu, imisebenzi yemihla ngemihla, njengasemsukwini ku se kona utyani.

14 Kwa tyaywa izinduna zabaka Israeli, eza miselwa bona abameli baka Faro, za buzwa A ni qedanga ngani imisebenzi yenu yokubumba isitini, izolo na namhla, njengakuqala na?

15 Izinduna zabakwa Israeli za ya za kala kuFaro, za ti, Wenzelani okunje ezincekwini zako na?

16 Izinceku zako a zi nikwa utyani, kepa ba ti kitina, Bumbani isitini; bheka, izinceku zako zi ya tyaywa, kodwa icala li kubantu bako.

17 Wa ti, ni yenqena, ni yenqena; ngako ni ti, A si ye si m hlabele uJehova.

18 Sukani, ni ye ni sebenze; a ni yi kunikwa utyani; kepa ni ya kuqeda isilinganiso sesitini.

19 Izinduna zabakwa Israeli za bona ukuti zi hlupekile, se ku tiwe, A ni yi kuncipisa isitini semihla ngemihla.

20 Zi sa puma kuFaro, za hlangana noMosi noAroni, aba beze ukuzihlangabeza.

21 Za ti kubo, uJehova ka ni bone, ahlule, ngokuba ni lenzile ipunga letu li nuke kabi emehlweni ka Faro, na semehlweni ezinceku zake, ni beke inke-mba esandhlani sabo, ukuba ba si bulale.

22 uMosi wa buyela kuJehova wa ti,

Nkosi, wenzelani okubi kulababantu na? u ngi tumeleni?

23 Iloku nga fika kuFaro ukukuluma ngegama lako wenzile yena okubi kulababantu, nawe a u ba kululanga abantu bako nakanye.

### ISAHLUKO 6.

**U**JEHOVA wa ti kuMosi, Kaloku u ya kukubona engi ya kukwenza kuFaro; ngokuba ngesandhla esi namandhla u ya kubamukisa, na ngesandhla esinamandhla u ya kuba xotya ezweni lake.

2 uTixo wa kuluma kuMosi, wa ti, kuye, Ngi nguJehova.

3 Nga bonakala kuAbrahama, na kuIsaka, na kuJakobe, ngi nguTixo onamandhla onke; kepa ngegama lami lokuti, uJehova, be ngi ngazeki kubo.

4 Nga qinisa isivumelwano sami nabo, sokuba ngi ba pe izwe la seKenani, izwe lokuhambela kwabo, aba be izizwe kulo.

5 Ngi zwile ukububula kwabaka Israeli, aba botywa abasEgipite; ngi kubule isivumelwano sami.

6 Ngako yityo kwabaka Israeli, u ti, Ngi nguJehova; ngi ya ku ni kipa emisebenzini yabasEgipite, ngi ni kulule ekunibopeni kwawo, ngi ni hlenge ngen-galo elulweyo, na ngezinhlupo ezinkulu.

7 Ngi ya kunitabata ni be abantu bami, ngi be uTixo wenu, nazi ukuti Ngi nguJehova uTixo wenu, o ni kipayo emisebenzini yabasEgipite.

8 Ngi ya kuniyisa ezweni, enga funga ngalo, nga ti, ngi ya kubanika lona oAbrahama, noIsaka, noJakobe; ngi ya kuninika lona li be izwe lenu, Ngi nguJehova.

9 Wa tyo njalo uMosi kwabaka Israeli; kepa a ba m lalalanga uMosi ngokukatazeka kwenhliziyo, na ngemisebenzi esindayo.

10 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

11 Hamba u ye u tyo kuFaro, inkosi ya sEgipite, ukuba a ba vumele abantwana baka Israeli ba pume ezweni lake.

12 uMosi wa kuluma pambi kuka Jehova, wa ti, Bheka abaka Israeli a ba ngi lalalanga, uFaro u ya kungilalela kanjani, ngi nezindebe ezi nga sokwanga.

13 uJehova wa kuluma kuMosi na kuAroni, wa ba yala ukuba ba tyele abaka-Israeli noFaro, inkosi ya sEgipite, uku-

ba ba kitywe abaka Israeli ezweni la sEgipite.

14 Laba ba izinhloko zezindhlu za oyise; Amadodana ka Rubeni, izibulo lika Israeli; uHanoki, noPalu, noHezroni, noKarni; laba ba izindhlu zika Rubeni.

15 Amadodana kaSimeoni, uJemuli, uJamini, noOhadu, noJakini, noZohari, noShauli, indodana yomfazi wa seKenani; laba ba izindhlu zika Simeoni.

16 Lawa a ngamagama amadodana ka Levi ngokuzalwa kwawo, uGershoni, noKohati, noMerari; iminyaka yokupila kuka Levi ya iminyaka e ikulu namashumi amatatu nesikombisa.

17 Amadodana ka Gershoni, uLibni, noShimi, ngezindhlu zawo.

18 Amadodana ka Kohati; uAmramu, noIzhari, noHebroni, noUzieli; iminyaka yokupila kuka Kohati ya iminyaka e ikulu namashumi amatatu natatu.

19 Amadodana ka Merari; uMahali, noMushi; laba ba izindhlu zika Levi ngokuzalwa kwabo.

20 uAmramu wa ganwa uJokebede, udade wabo ka yise; wa m zalela uAroni noMosi; iminyaka yokupila kuka Amramu ya iminyaka e ikulu namashumi amatatu nesikombisa.

21 Amadodana ka Izhari; uKora, noNefegi, noZikri.

22 Amadodana ka Uzieli, uMishali, noElzafani, noZitri.

23 uAroni wa ganwa uElisheba, indokakazi ka Aminadabi, udade wabo ka Nashoni; wa m zalela uNadabi, noAbihu, noEleazari, noItamari.

24 Amadodana ka Kora; uAsire, uElkana, uAbiasafe; laba ba izindhlu zamaKora.

25 uEleazari, indodana ka Aroni, wa ganwa indokakazi ka Putieli; wa m zalela uFinehasi; laba ba izinhloko za oyise bamaLevi, ngezindhlu zabo.

26 Laba ibo labo uJehova a ti kuMosi noAroni, Kipani abaka Israeli ezweni la sEgipite ngamabandhla abo.

27 Laba ibo aba tyo kuFaro, inkosi ya sEgipite, ukuba a kipe abaka Israeli Egipite, laba ba ibona oMosi noAroni.

28 Kwa ti msukwana uJehova e kuluma kuMosi ezweni la sEgipite,

29 uJehova wa tyo kuMosi, ukuti, Ngi nguJehova, yityo kuFaro, inkosi ya sEgipite, konke engi ku tyoyo kuwe.

30 Wa ti uMosi pambi kuka Jehova,

Bheka, ngi nezindebe ezi nga sokwanga; uFaro u ya kungilalela kanjani?

ISAHLUKO 7.

UJEHOVA wa ti kuMosi, Bheka, ngi kwenzile u be uTixo kuFaro; uAroni, umfo wenu, u ya kuba umprofeti wako.

2 U ya kukuluma konke engi ku yala kona; uAroni, umfo wenu, u ya kutyo kuFaro, ukuba a ba vumele abaka Israeli ba pume ezweni lake.

3 Ngi ya kuyenza inhliziyo ka Faro i be lukuni, ngandise izibonakaliso zami nezimaungaliso zami ezweni la sEgipite.

4 Kapa uFaro ka yi kunilalela; ngi ya kubeka isandhla sami pezu kweEgipite, ngi kipe amabandhla ami, abantu bami, abaka Israeli, ngi ba kipe ezweni la sEgipite ngezinhlupe ezinkulu.

5 AbasEgipite ba ya kwazi ukuti, ngi ngu Jehova, nxa ngelulela isandhla sami pezu kweEgipite, ngi kipe abaka Israeli pakati kwabo.

6 uMosi noAroni benza njengokutyo kuka Jehova kubo; benza njalo.

7 uMosi wa e neminyaka emashumi a shiyagalombili, uAroni wa e neminyaka emashumi a shiyagalombili nantatu, msukwana be kuluma kuFaro.

8 uJehova wa kuluma kuMosi na kuAroni, wa ti,

9 Nxa uFaro e kuluma kini, e ti, Yenzani isimaungaliso; wo tyo kuAroni, u ti, Tabata induku yako, u i ponse pambi kuka Faro, i ya kupenduka i be inyoka.

10 oMosi noAroni ba ya kuFaro, benza njalo, njengokutyo kuka Jehova; uAroni wa ponsa induku yake pambi kuka Faro, na pambi kwezinceku zake; ya penduka ya ba inyoka.

11 Kona uFaro wa biza izazi, nezanusi; izinyanga za sEgipite zenze ngokubula kwazo.

12 Kwa ba ilowo wa ponsa pansu induku yake, ya penduka inyoka; kapa induku ka Aroni ya minza izinduku zabo.

13 Inhliziyo ka Faro ya ba lukuni; ka ba lalalanga, njengokutyo kuka Jehova.

14 uJehova wa ti kuMosi, Inhliziyo ka Faro i butuntu; u yala ukuba abantu ba hambe.

15 Hamba u ye kuFaro kusasa; bheka, u ya kuza emanzini; yima ngaseceleleni komfula ukuba u m hlangebeze; induku eya penduka inyoka wo i pata ngesandhla sako.

16 Wo ti kuye uJehova, uTixo wama-Heberu, u ngi tumile kuwe, u ti, Ba vumele abantu bami ba hambe, ba ngi konze ehlane; bheka, kade u nga laleli.

17 U tyo uJehova, u ti, Ngaloko u ya kungazi ukuti ngi nguJehova; bheka, ngi ya kutyaya, ngenduku e se sandhleni sami, pezu kwamanzi a semfuleni, a penduke igazi.

18 Izinhlanzi ezi semfuleni zi ya kufa, umfula u nuke; abasEgipite ba nengwe ukupuza amanzi omfula.

19 uJehova wa ti kuMosi, Yityo ku-Aroni; u ti, Tabata induku yako, welule isandhla sako pezu kwamanzi a sEgipite, pezu kwemifulana yabo, pezu kwemifula yabo, pezu kweziziba zabo, na pezu kwamacibi amanzi onke abo, a be igazi; ku be kona igazi ezweni lonke lasEgipite, na sezityeni zemiti, na sezityeni amatye.

20 Benza njalo oMosi noAroni, njengokuyala kuka Jehova; wa pakamisa induku, wa tyaya amanzi a semfuleni emehlweni ka Faro na semehlweni ezineeku zake; amanzi onke a semfuleni a penduka igazi.

21 Izinhlanzi eza zi semfuleni za fa; umfula wa nuka; abasEgipite ba be nge nakupuza amanzi omfula; kwa ku kona igazi ezweni lonke la sEgipite.

22 Izinyanga za sEgipite zenza njalo ngokubula kwazo; inhliziyo ka Faro ya ba lukuni; ka ba lalelanga, njengokutyo kuka Jehova.

23 uFaro wa penduka, wa ya endhlini yake; ka bekanga inhliziyo yake na kuloko.

24 AbasEgipite bonke bamba nga semfuleni be funa amanzi okupuza, ngokuba ba be nge nakupuza amanzi omfula.

25 Kwa pela izinsuku ezi isikombisa, iloku uJehova e tyayile umfula.

#### ISAHLUKO 8.

**U**JEHOVA wa ti kuMosi, Hamba u ye kuFaro, u ti kuye, U tyo uJehova, u ti, Ba vumele abantu bami, ba ye, ba ngi konze.

2 Uma u nqaba ukuba ba hambe, bheka, ngi ya kubulala izwe lako lonke ngezixangxa.

3 Umfula u ya kuvama izixangxa, zi ya kwenyuka, zi ngene endhlini yako, na sendhlini yako yokulala, na pezu kombede wako, na sezindhlini zezineeku zako, na pezu kwabantu bako, na semaziko ako, na sezityeni zako zezinkwa.

4 Izixangxa zi ya kwenyukela pezu kwako, na pezu kwabantu bako, na pezu kwezineeku zako zonke.

5 uJehova wa ti kuMosi, Yityo ku-Aroni, u ti, Yelula isandhla sako nenduku yako pezu kwemifulana, na pezu kwemifula, na pezu kweziziba, wenyusele izixangxa ezweni la sEgipite.

6 uAroni welula isandhla sake pezu kwamanzi a sEgipite, zenyuka izixangxa za qeda izwe la sEgipite.

7 Izinyanga zenze njalo ngokubula kwazo, zenyusela izixangxa ezweni la sEgipite.

8 Kona uFaro wa biza uMosi noAroni, wa ti, Kulekani kuJehova, ukuba a suse izixangxa kimi na kubantu bami, ngi ya kubavumela abantu ba hambe, ba mhlabele uJehova.

9 Wa ti uMosi kuFaro, Ngi tyele, ukuba ngi ku kulekele nini wena, nezineeku zako, nabantu bako, ukuba ku nqamuke izixangxa kuwe na sezindhlini zako, zi sale emfuleni kodwa.

10 Wa ti, Ngomuso. Wa ti, A ku be njengokutyo kwako, ukuba wazi ukuti amuko o ngangaye uJehova, uTixo wetu.

11 Izixangxa zi ya kusuka kuwe na sezindhlini zako, na sezineekwini zako, na sebantwini bako, zi sale emfuleni kodwa.

12 oMosi noAroni ba puma kuFaro, uMosi wa kala kuJehova ngenxa yezixangxa a be zi letile kuFaro.

13 uJehova wenza njengokutyo, kuka Mosi; izixangxa za fa ezindhlini, na semagekeni, na semasimini.

14 Ba si butela izinqwaba; izwe la nuka.

15 uFaro se e bonile ukuti se ku nqamukile, wa yenza inhliziyo yake ya ba lukuni, ka ba lalelanga, njengokutyo kuka Jehova.

16 uJehova wa ti kuMosi, Yityo ku-Aroni, u ti, Yelula induku yako, u tyaye utuli lomhlabati, lu penduke izinsensane ezweni lonke la sEgipite.

17 Benza njalo; uAroni welula isandhla sake nenduku yake, wa tyaya utuli lomhlabati; lwa penduka izinsensane kubantu na sezinkomeni; utuli lwezwe lonke lwa penduka izinsensane ezweni lonke la sEgipite.

18 Izinyanga zenza njalo ngokubula kwazo, ukuba zi veze izinsensane, kepa zahluleka; izinsensane za zi kona ebantwini na sezinkomeni.

19 Izinyanga za ti kuFaro, Loku ku umunwe ka Tixo; kepa inhliziyi ka Faro ya ba lukuni; ka ba lalengana, njengokutyo kuka Jehova.

20 uJehova wa ti kuMosi, Vuka ekuseni, u ye u me pambi kuka Faro; bheka, u ya kuya emanziui, u ti kuye, U tyo uJehova, u ti, Ba vumele abantu bami ba hambe, ba ngi konze.

21 Uma u nqaba ukuba ba hambe, bheka, ngi ya kutuma izibau kuwe, na sezincekwini zako, na sebantwini bako, na sezindhlini zako; Izindhlu zabasEgipite zi ya kugwala izibau, nomhlabati ezi kuwo.

22 Nga lolosuku ngi ya kwahlukanisa izwe la seGosheni, elakiwe abantu bami, ukuba ku nga biko izibau kona; ukuba wazi ukuti ngi nguJehova pakati kwezwe.

23 Ngi ya kwahlukanisa abantu bami nabantu bako; lesosibonakaliso si ya kuvela ngomuso.

24 Wenza njalo uJehova; kwa fika izibau ezisabekayo endhlini ka Faro, na sezindhlini zezinceku zake, na sezweni lonke la sEgipite; lonakala izwe ngenxa yezibau.

25 uFaro wa biza uMosi noAroni, wa ti, Hambani, ni ye, ni hlabele uTixo ku lelizwe.

26 Wa ti uMosi, A ku fanele ukwenza njalo, si hlabele uJehova, uTixo wetu loku okunengeka kubo abasEgipite; bheka, uma si hlaba okunengeka kubo abasEgipite emehlweni abo, a ba yi kusi-dakala ngamatye na?

27 Si ya kuhamba si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu, si hlabele uJehova, uTixo wetu, njengaloku a ya kutyo kiti.

28 uFaro wa ti, Ngi ya kunivumela ni ye, ni hlabele uJehova uTixo wenu ehlane; kepa ni nga yi kude; ngi kulekeleni.

29 uMosi wa ti, Bheka, ngi ya puma kuwe, ngi ya kukuleka kuJehova, ukuba izibau zi muke kuFaro, na sezincekwini zake, na sebantwini bake, ngomuso; kodwa uFaro ka nga buyi a kohlise ngokunqaba ukuba abantu ba hambe ba hlabele uJehova.

30 uMosi wa puma kuFaro, wa kuleka kuJehova.

31 uJehova wenza njengokutyo kuka Mosi; wa susa izibau kuFaro, na sezincekwini zake, na sebantwini bake; a kwa sala nasinye.

32 uFaro wa pinda wa yenza inhliziyi yake ya ba lukuni; ka ba vumela abantu ba hambe.

### ISAHLUKO 9.

UJEHOVA wa ti kuMosi, Hamba u ye kuFaro, u ti kuye, U tyo uJehova, uTixo wamaHeberu, u ti, Ba vumele abantu bami, ba ye ba ngi konze.

2 Uma u nqaba ukuba ba hambe, u sa ba bambile,

3 Bheka, isandhla sika Jehova si ya kuba pezu kwezinkomo zako ezi sendhle, na pezu kwamahashi, na pezu kwezimbongolo, na pezu kwamakamelo, na pezu kwezinkabi, na pezu kwezimvu; ko ba kona ukufa okunzima.

4 uJehova u ya kwahlukanisa izinkomo za kwaIsraeli nezinkomo za sEgipite, ku nga fi luto kuko konke okwa baka Israeli.

5 uJehova wa nquma isikati, wa ti, Ngomuso uJehova u ya kwenza loku ezweni.

6 uJehova wa kwenza loko ngangomso; izinkomo zonke za sEgipite za fa; kodwa a kwa fa nanye ezinkomeni zabaka Israeli.

7 uFaro wa tuma ukuba ku hlolwe, bheka, ya i nga file neyodwa ezinkomeni zabaIsraeli. Inhliziyi ka Faro ya i lukuni; ka ba vumela abantu ba hambe.

8 uJehova wa ti kuMosi na kuAroni, Capunani umlota wa seziko ngezandhla, zi gwale; uMosi a u sakazele ngapezulu pambi kwamehllo ka Faro.

9 U ya kuba utuli ezweni lonke la sEgipite, lu penduke amatumba, ku mile izilonda kubantu, na sezinkomeni, ezweni lonke la sEgipite.

10 Ba tabata umlota wa seziko, bema pambi kuka Faro, uMosi wa u sakazelela ngapezulu; wa penduka amatumba, kwa mila izilonda kubantu, na sezinkomeni.

11 Izinyanga za zi nge nakuma pambi kuka Mosi ngenxa yamatumba, ngokuba amatumba a e milile ezinyangeni, na kuwo onke abasEgipite.

12 uJehova wa yenza inhliziyi ka Faro, ya ba lukuni, ka ba lalengana, njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

13 uJehova wa ti kuMosi, Vuka ekuseni, u ye u me pambi kuka Faro, u ti kuye, U tyo uJehova, uTixo wamaHeberu, u ti, Ba vumele abantu bami, ba ye ba ngi konze.

14 Ngokuba manje ngi ya kutuma zonke izifo zami enhliziyweni yako, na sezinekwini zako, na sebantwini bako, ukuba wazi ukuti amuko\* o ngangami ezweni lonke.

15 Ngokuba kaloku nga ngi selulile isandhla sami, ngi ku tyaye, wena nabantu bako ngokufa, wo bujiswa wena, u pela emhlabeni;

16 Kodwa nga loku ngi ku misile, ukuba ngi ku bonise amandhla ami, nokuba igama lami laziwe emhlabeni wonke.

17 U sa zikukumeza pezu kwabantu bami ngokungabavumeli ba hambe.

18 Bheka, ngomuso nga lesikati, ngi ya kunisa isicoto esi nzima kakulu, esi nga bonanga si be kona Egipte esingaka, iloku lakiwa ku ze ku be manje.

19 Tumake, u buyise izinkomo zako, nako konke o nako endhle; abantu bonke, nezinkomo zonke, ezi ya kufunyanwa endhle, zi nga goduswa, zi ya kutyaywa isicoto, zi fe.

20 Lezozineku zika Faro eza lesaba izwi lika Jehova za tyetya za ngenisa izineku zazo nezinkomo zazo ezindhlini.

21 Kodwa lezo ezi nga lalalanga izwi lika Jehova, za shiya izineku zazo nezinkomo zazo endhle.

22 uJehova wa ti kuMosi, Yelulela isandhla sako ngasezulweni ukuba li ne isicoto ezweni lonke la sEgipte, pezu kwabantu, na pezu kwezinkomo, na pezu kwemiti yonke ya sendhle, ezweni lonke la sEgipte.

23 uMosi welulela induku yake nasezulweni; uJehova wa tuma ukuduma nesisicoto; unyazi lwehlela emhlabeni; uJehova wa nisa isicoto ezweni la sEgipte.

24 Kwa ku kona isicoto, nonyazi olungangamukiyo kanye nesisicoto, kwa ku nzima kakulu; kwa ku nga bonanga ku be kona ezweni la sEgipte oku ngako, iloku la ba isizwe.

25 Isicoto sa tyaya konke okwa ku sendhle, abantu nezinkomo, ezweni lonke la sEgipte; isicoto sa tyaya utyani bonke ba sendhle, sapula imiti yonke ya sendhle.

26 Kodwa ezweni la seGosheni, lapo ba be kona abaka Israeli, kwa ku nge ko isicoto.

27 uFaro wa tuma, wa biza oMosi noAroni, wa ti kubo, Se ngonile; uJehova u lungile, mina nabantu bami si izoni.

28 Kulekani kuJehova ngokuba ku

nzima kakulu ukuba ku be kona ukuduma okungaka, nesisicoto; se ngi ya kunivumela ni hambe; a ni sa yi kulibala.

29 uMosi wa ti kuye, Nxa ngi puma emzini ngi ya kwelula izandhla zami kuJehova; ukuduma ku ya kunqamuka, si nga be si sa ba ko isicoto; ukuba wazi ukuti, umhlaba u ngoka Jehova.

30 Kepa wena nezineku zako ngi yazi ukuti, a ni ka m esabi uJehova uTixo.

31 Kwa tyaywa iflaksi nebarle; ngokuba ibarle la li nemiyani, iflaksi la li kahlele.

32 Kepa a ku tyaywanga ukolweni nespelta, ngokuba loku kwa ku nga kuli.

33 uMosi wa puma emzini kuFaro, welulela izandhla zake kuJehova; kwa nqamuka ukuduma nesisicoto, a la be li sa na emhlabeni.

34 uFaro se e bonile ukuti, ku nqamukile invula, nesisicoto, nokuduma, wa buya wona; wa yenza inhliziyoyake ya ba lukuni, yena nezineku zake.

35 Inhliziyoyake ka Faro ya i lukuni; ka ba vunanga abantwana baka Israeli ba hambe, njengokutyo kuka Jehova ngaye uMosi.

#### ISAHLUKO 10.

**UJEHOVA** wa ti kuMosi, Hamba u ye ku Faro; ngokuba ngenzile inhliziyoyake ya lukuni, nenhliziyoyezineku zake, ukuba ngenze lezizibonakaliso pakati kwabo,

2 Nokuba u landise indodana yako, nendodana yendodana yako, loku engi kwenzileyo ngabasEgipti, nezimangaliso zami, engi zenzileyo pakati kwabo; ukuba nazi ukuti, ngi nguJehova.

3 oMosi noAroni ba ya kuFaro, ba ti kuye; U tyo uJehova, uTixo wamaHeberu, u ti, u ya kunqaba ku ze ku be nini ukuzitobisa pambi kwami? ba vumele abantu bami ba ye ba ngi konze.

4 Uma u nqaba ukuba abantu bami ba hambe, bheka, ngomuso ngi ya kuleta isikonyane ezweni lako.

5 Si ya, kwembesa umhlabati; u nga bi u sa bona muntu; si ya kudhla okuseleyo, okusindileyo esicotweni, eni sele nako; si ya kudhla nemiti yonke e ni milelayo endhle.

6 Si ya kugewalisa izindhlu zako, nezindhlu zezineku zako, nezindhlu zabasEgipti onke; a ba zanga ba zi bona ezinjalo oyihlo benu, na oyise ba oyihlo benu, iloku ba fika emhlabeni ku ze ku be

namhla. Wa penduka, wa puma ku Faro.

7 Izinceku zika Faro za ti kuye, Lomuntu u ya kusicupa ku ze ku be nini na? ba vumele abantu ba hambe, ba konze uJehova uTixo wabo. A u kazi ini ukuti, Egipite li file?

8 oMosi noAroni ba buyiselwa kuFaro; wa ti kubo, Hambani, ni konze uJehova; uTixo wenu; kepa obani nobani aba ya kuhamba na?

9 uMosi wa ti, Si ya kuhamba nabatya nabadala, si ya kuhamba nabantwana betu besilisa na besifazana, nezimvu nezinkomo: ngokuba si nomhlangano ka Jehova.

10 Wa ti kubo, uJehova a nga hamba nani, nxa ngi ni vumele ni hambe nabantwana benu! bhekani, ngokuba ku kona okubi pambi kwenu.

11 Amanga! hanbani, nina madoda, ni konze uJehova; ngokuba ni funa loku. Ba xotywa ebusweni buka Faro.

12 uJehova wa ti kuMosi, Yelula isandhla sako pezu kwezwe la sEgipite, ku fike isikonyane, senyukele ezweni la sEgipite, si dhle utyani bonke bezwe; konke okuseleyo esicotweni.

13 uMosi welula isandhla sake pezu kwezwe la sEgipite; uJehova wa leta umoya wa sempumalanga ezweni, wa pepeta usuku lonke, emini na sebusuku; se ku sile umoya wasempumalanga wa fika nesikonyane.

14 Isikonyane senyukela ezweni lonke la sEgipite, sa hlala ezweni lonke la sEgipite, si nzima kakulu; ngapambili kwaso, a si bonanga si be kona isikonyane esi ngangaso, na ngasemva kwaso a si sa yi kubako esi ngangaso.

15 Sembasa ubuso bezwe lonke; izwe la ba myama; sa dhla utyani bonke bezwe, nezinhlamvu zonke zemiti, eziseleyo esicotweni; a kwa sala luto olu luhlaza emitini na sotyanini ba sendhle, ezweni lonke la sEgipite.

16 uFaro wa tyetya wa biza oMosi noAroni, wa ti, ngonile kuJehova, uTixo wenu, na kinina.

17 A ke u ngi tetelele isono sami nga lesisikati sodwa; kulekani kuJehova, uTixo wenu, ukuba a suse kimi lokukufaka kodwa.

18 Wa puma kuFaro, wa kuleka kuJehova.

19 uJehova wa pendula umoya, wa vela ngasentyonalanga, u namandhla amakulu, wa si susa isikonyane wa si ponsa

elwandhle olubomvu; a kwa sala nasinye isikonyane ezweni lonke la sEgipite.

20 Kepa uJehova wa yenza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, ka ba vumela abantwana baka Israeli ba hambe.

21 uJehova wa ti kuMosi, Yelula isandhla sako ngasezulwini, ukuba ku be kona ubumnyama ezweni la sEgipite, ubumnyama obuzwakalayo.

22 uMosi welula isandhla sake ngasezulwini, kwa ba kona ubumnyama obunzima ezweni lonke la sEgipite izinsuku ezintatu.

23 A ba bonana; izinsuku za ba ntatu ku nga suki muntu endaweni yake; kepa kwa kanya emiakaya abo bonke abakaIsraeli.

24 uFaro wa biza uMosi, wa ti, Hambani, ni konze uJehova; a ku sale izimvu zenu, nezinkomo zenu kupela; abantwana benu ba ya kuhamba nani.

25 uMosi wa ti, Si nikele esandhleni setu imihlatyelo neminikelo yokutyiswa, ukuba si m hlabele uJehova, uTixo wetu.

26 Si ya kuhamba nezinkomo zetu; a ku yi kusala nanselo; ngokuba si ya kuzitabata kuzo, esi ya kumkonza ngazo uJehova, uTixo wetu; a si kwazi esi ya kumkonza ngako uJehova si nga ka fiki kona.

27 Kodwa uJehova wa yenza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni; wa nqaba ukuba ba hambe.

28 uFaro wa ti kuye, Suka kimi; qapela, u nga bi u sa bona ubuso bami; ngokuba msukwana u bona ubuso bami, u ya kufa.

29 uMosi wa ti, U tyo kahle; a ngi sa yi kubuya ngi bu bone ubuso bako.

## ISAHLUKO 11.

**UJEHOVA** wa ti kuMosi, Ngi sa ya kubuya ngi tyaye uFaro nEgipite kanye; emva kwaloko u ya kunivumela ni suke lapa; nxa e se ni vumele ni hambe, u se ya kunixotyana nempela.

2 Yityo ezinhleleni zabantu, ku be ileyo ndoda i cele kowakelene nayo, ilowo wesifazana a cele kowakelene naye izinto zesiliva, nezinto zegolide.

3 uJehova wa benzela abantu umusa emehlweni abasEgipite. Futi lowomuntu uMosi wa e mkulu kakulu ezweni la sEgipite, emehlweni ezinceku zika Faro, na semehlweni abantu.

4 uMosi wa ti, U tyo uJehova, u ti,

Ngapakati kobusuku ngi ya kupuma ngi ye pakati kweEgipite;

5 A ya kufa amazibulo onke a sezweni la sEgipite, izibulo lika Faro, ohleziyo esihlalweni sake, nezibulo lesisebenzi sesifazana, esi ngasetyeni lokugaya; namazibulo onke ezinkomo.

6 Ku ya kuba kona ukukala okukulu ezweni lonke la sEgipite; a ku bonanga ku be kona oku ngangako, a ku sa yi kubuya ku be kona oku ngangako.

7 Kodwa a ku yi kubako nanja e ya kubagejela abakwaIsraeli, abantu nezinkomo, ulimi lwayo; ukuba nazi ukuti, uJehova u ya hlukanisa abasEgipite nabaIsraeli.

8 Lezizinceku zako zonke zi ya kwelalela kimi, zi ngi kotamele, zi ti, Puma wena, nabantu bonke aba ku landelayo; emva kwaloko ngi ya kupuma. Wa puma kuFaro e tukutele kakulu.

9 uJehova wa ti kuMosi, uFaro a ka yi kunilalela, ukuba izimangaliso zani zande ezweni la sEgipite.

10 oMosi noAroni benza zonke lezizimangaliso pambi kuka Faro. uJehova wa yeza inhliziyi ka Faro ya ba lukuni; ka ba vumela abakaIsraeli ba pume ezweni lake.

### ISAHLUKO 12.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi na kuAroni, ezweni la sEgipite, wa ti,

2 Lenyanga i ya kuba eyokuqala ezinyangeni kini, inyanga yokuqala yomnyaka kini.

3 Yityoni kuwo wonke umhlangano wa kwa Israeli, ni ti, ngosuku lweshumi lwa lenyanga, a ba tabate, ku be ilowo a tabate iundhlu, njengezindhlu za oyise, iundhlu ngendhlu.

4 Uma abendhlu be nga laneli iundhlu, umnindhlu ka hlangane nowakelene naye, ba li tabate njengobuningi babantu; no bala abantu bendhlu ngabanye njengokudhla kwabo.

5 Iundhlu lenu a li pelele li be elenduna, eli nomnyaka munye; no li tabata ezimvini, na sezimbuzini.

6 Ni ya kulilondoloza ku ze ku fike usuku lweshumi nane lwa lenyanga; kona ibandhla lonke lomhlangano wa kwa Israeli li ya kulihlaba kusihlwa.

7 A ba tabate igazi, ba li bece ezinsikeni zombili zomnyango, na pezulu otini lomnyango ezindhlini aba ya kulihlela kuzo.

8 A ba dhle inyama ngalobobusuku,

yosiwe ngomlilo; ba ya kuidhla nesinkwa esi nga vutyelwe kanye nemiti ebabayo.

9 Ni nga i dhli i se luhlaza, nepeke ngamanzi; a no i dhla yosiwe ngomlilo, ikanda lalo, kanye namanqina alo nemibilini yalo.

10 Ni nga shiyi uto lwalo kuze ku se; okuseleyo kwa za kwa sa ni ya kukutyisa ngomlilo.

11 A no li dhla ngokunje; izinkalo zenu zi botyiwe, izicatulo zenu zi sezinyaweni zenu, ni pete udondolo ngesandhla, ni dhle ngamandhla; ku ipasika lika Jehova.

12 Ngasi ya kudhlula ezweni la sEgipite ngalobobusuku, ngi bulale amazibulo onke ezweni la sEgipite, abantu nezinkomo; ngi ya kulahla otixo bonke ba sEgipite; ngi nguJehova.

13 Igazi li ya kuba isiboniso kini ezindhlini eni kona kuzo; nxa ngi bona igazi, ngi ya kunidhlula; ku nga bi ko kini isifo esibulalayo, nxa ngi bulala izwe la sEgipite.

14 Lolusuku lu ya kuba isikumbuzo kini; ni ya kulugeina lu be umhlangano kuJehova; no lu geina ezizukulwaneni zenu, ku be umteto onganqamukiyo.

15 A no dhla isinkwa esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa; yebo, ngosuku lokuqala no i kipa invubelo ezindhlini zenu; lowo o suka a dhle isinkwa esivutyelweyo, ku suka osukwini lokuqala ku ze ku fike olwesikombisa, u ya ku nqunywa yena kuIsraeli,

16 Ngosuku lokuqala a ni be nomhlangano ongewele, na ngosuku lwesikombisa a ni be nomhlangano ongewele, a ku nga setyenzwa ngazo, kepa ni nga sebenza oku dhliwayo abantu kupela.

17 A no geina umhlangano wesinkwa esi nga vutyelwe; ngokuba ngalolosuku nga kipa amabandhla enu ezweni la sEgipite; no geina lolosuku ezizukulwaneni zenu, ku be umteto o nga nqamukiyo.

18 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane kusihlwa, a no dhla isinkwa esi nga vutyelwe, ku ze ku fike usuku lwamashumi mabili lwenyanga kusihlwa.

19 Izinsuku a zi be isikombisa ku nga funyanwa invubelo ezindhlini zenu; lowo o suka a dhle oku vutyelweyo u ya kuuquywa yena ebandhlini la kwa Israeli, noma e ngowezizwe, noma e ngozeweyo ezweni la kini.



20 Ni nga dhli luto olu vutyelweyo; ezindhlini zonke zenu a no dhla isinkwa esi nga vutyelwe.

21 uMosi wa biza izikulu zonke za kwaIsraeli, wa ti kuzo, Hambani ni tabate izimvu njengobuningi bezindhlu zenu, ni hlabe ipasika.

22 Ni tabate isitungu sehisope ni si fake egazini eli sesityeni, ni bece pezulu otini lomnyango na sezinsikeni zombili zomnyango, ngegazi eli sesityeni; a ku nga pumi muntu kini emnyango wendhlu yake ku nga ka si.

23 uJehova u ya kudhlula ukuba a bulale abasEgipite; nxa e bona igazi eli sotini pezulu na sezinsikeni zombili, u ya kudhlula umnyango, a nga vumi ukuba umbulali a ngene ezindhlini zenu ukubulala.

24 A no geina loku ku be umteto kuwena na kubantwana bako ku ze ku be pakade.

25 A ku ti, nxa ni fikile ezweni, a ya kuninika lona uJehova, njengokutyo kwake, a no geina lomsebenzi.

26 A ku ti, nxa abantwana benu be ti kini, Nenzani nga lomisebenzi?

27 A no ti, Kumhlatyelo wepasika lika Jehova, owa dhlula izindhlu zabaka Israeli Egipite, msukwana e bulala abasEgipite, wa sindisa izindhlu zetu. Abantu ba kotoma, ba kuleka.

28 AbakaIsraeli ba ya, benza njengokutyo kuka Jehova kuMosi na kuAroni; benza njalo.

29 Kwa ti pakati kobusuku uJehova wa bulala amazibulo onke ezweni la sEgipite, izibulo lika Faro owa e hlezi esihlalweni sake, nezibulo lesibotywa esi setilongweni, namazibulo onke ezinkomo.

30 uFaro wa vuka ebusuku, yena nezinceku zonke zake, nabasEgipite onke; kwa ku kona ukukala okukulu Egipite; ngokuba kwa ku nge ko indhlu lapo kwa ku nge ko kona ofileyo.

31 Wa ba biza oMosi noAroni ebusuku, wa ti, Sukani, ni pume kubantu bani, nina nabaka Israeli; hambani, ni konze uJehova, njengokutyo kwenu.

32 Tabatani izimvu zenu neziukomo zenu, ni hambe; kepa ngi busise.

33 AbasEgipite a qinisa abantu ukuba ba tyetye, ba ba kipe ezweni; ngokuba ba ti, sa fa sonke.

34 Abantu ba tabata inhlama e nga ka vutyelwa, izitya zabo zezinkwa zi

botywe ndawonye nezingubo zabo emahlombe.

35 Abaka Israeli benza njengokutyo kuka Mosi; ba cela kuwo abasEgipite izinto zesiliva, nezinto zegolide, nezingubo.

36 uJehova wa benzela abantu umusa emehlweni abasEgipite, a ba pa; ba wamuka abasEgipite.

37 AbakaIsraeli besuka eRamesi ba ya ba fika eSukoti, ku nga ti abantu aba izinkulungwane ezi makulu a isitupa aba hamba ngezinyawo, be ngamadoda ngapandhle kwabantwana.

38 Kwenyuka nabo umbonda wabantu bonke; nezimvu nezinkomo, imfuyo eningi kakulu.

39 Ba peka isinkwa esi nga vutyelwe ngenhlama, aba puma nayo Egipite, ngokuba ya i nga vutyelwanga; loku ba xotywa Egipite, ba be nge nakulibala; futi ba be nga zilungiselanga ukudhla.

40 Ukuhlala kwabakaIsraeli, aba ku hlalayo Egipite, kwa ku iminyaka emakulu mane namashumi matatu.

41 Kwa ti ekupeleni kweminyaka emakulu mane namashumi matatu; kwa ti ngalolosuku amabandhla onke ka Jehova a puma ezweni la sEgipite.

42 Bu ubusuku bokugecinelwa uJehova ngokubakipa ezweni la sEgipite; loku bu ubusuku bokugecinelwa uJehova ibo bonke abaka Israeli ezizukulwaneni zabo.

43 uJehova wa ti kuMosi na kuAroni, Loku ku umteto wepasika; Ka nga dhli owesizwe.

44 Kepa zonke izisebenzi ezi tengwe ngemali, uma zi sokiwe, a zi li dhle.

45 A li nga dhliwa owezizwe nosebenzela imali.

46 Li ya kudhliwa endhlininye; u nga pumeli ngapandhle kwendhlu nezana lenyama; ni nga puli natambo lalo.

47 Umhlangano wonke wa kwaIsraeli a u li hlabe.

48 Nxa owezizwe, o hlezi kuwe e za kumhlabela uJehova ipasika, abesilisa bonke bake a ba soke, kona a nga sondela a li hlabe; u ya kuba njengozelweyo ezweni lakini; kepa ka nga li dhli muntu o nga sokiwe.

49 Ko ba kona umteto munye koze-lweyo ezweni la kini, na kowezizwe o hlala pakati kwenu.

50 Bonke abakaIsraeli benza njengokutyo kuka Jehova kuMosi na kuAroni, benza njalo.

51 Kwa ti nga lolosuku uJehova wa kipa abaka Israeli ezweni la sEgipite ngamabandhla abo.

ISAHLUKO 13.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Ngenzele ku be ngewele amazibulo onke, konke oku zityulwa kwabakaIsraeli, ebantwini na sezinkomeni; ku ngokwami.

3 uMosi wa ti kubantu, Kumbulani lolusuku ena puma ngalo Egipite, endhlini yezigqili; ngokuba ngesandhla esi namandhla uJehova wa ni kipa kona. A ku nga dhliwa isinkwa esivutyelweyo.

4 Ni pumile namhla, ngenyanga uAbibi.

5 Ko ti, nxa uJehova e se ku ngenisile ezweni lamaKenani, namaHeti, namaAmori, namaHivi, namaJebusi, a funga ngalo koyihlo bako, e ti u za kuku-nika lona, izwi eli vama ubisi nezinyosi, wo geina lomsebenzi nga lenyanga.

6 A no dlila isinkwa esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa; a ku be kona umhlangano ka Jehova ngosuku lwesikombisa

7 Isinkwa esi nga vutyelwe a si dhliwe izinsuku ezi isikombisa; ku nga bonwa kuwe isinkwa esi vutyelweyo, ku nga bonwa kuwe invulelo ezweni lonke lako.

8 Wo tyela indodana yako nga lolosuku u ti, Loku ku ya ngokwenza kuka Jehova kimi ekupumeni kwami Egipite.

9 Ku ya kuba isiboniso kuwe esandhleni sako, nesikumbuzo pakati kwamehlo ako, ukuba umteto ka Jehova u be emlo-nyeni wako; ngokuba ngesandhla esi namandhla uJehova u ku kipile Egipite.

10 Wo geina lomteto ngesikati sawo iminyaka ngeminyaka.

11 Ko ti, nxa uJehova e se ku ngenisile ezweni lamaKenani, njengokufunga kwake kuwe na koyihlo bako, e se ku nikile lona,

12 Wo m misela uJehova konke okwamazibulo, namazibulo onke ezinkomo o nazo; ezi ngamaduna zo ba ezika Jehova.

13 Izibulo lembongolo wo lenana nge-ndhlu; uma u nga lenani, u lapule inta-mo; amazibulo onke abantu ebantwani bako wo wenana.

14 Ko ti, nxa indodana yako i buza ngesikati esizayo, i ti, Ku ini loku? wo ti kuyo, Ngesandhla esi namandhla uJehova wa si kipa Egipite, endhlini yesigqili;

15 Kwa ti, nxa uFaro e sa si vumela kalukuni ukuba si hambe, uJehova wa bulala amazibulo onke ezweni la sEgipite, amazibulo abantu namazibulo ezinkomo; ngako ngi m hlabela uJehova konke okwamazibulo ngamaduna; kepa amazibulo onke abantwana bami ngi ya wenana.

16 Ku ya kuba isiboniso esandhleni sako, namaflakterio pakati kwamehlo ako; ngokuba ngesandhla esi namandhla uJehova wa si kipa Egipite.

17 Kwa ti, uFaro e se ba vumele abantu ba hambe, uTixo ka ba hambisa ngendhlela yamaFilisti; le ya i seduze; ngokuba uTixo wa ti, Funa abantu ba zisole, nxa be bona ukulwa, ba buyele Egipite.

18 Kodwa uTixo wa ba gwegwezisa ngendhlela ya sehlane nga selwandhle olubomvu. Abaka Israeli benyuka ezweni la sEgipite be hlomile.

19 uMosi wa hamba namatambo ka Josefa; ngokuba yena wa e ba fungisile ngamandhla abaka Israeli, wa ti, uTixo u ya kuhambela kini impela; a no kupu-ka lapa namatambo ami.

20 Besuka eSukoti ba ya ba ngenisa Etamu, ecaleni kwehlane.

21 uJehova wa hamba pambi kwabo emini ngensika yefu yokubatyengisa indhlela, ebusuku wa hambá pambi kwabo ngensika yomlilo yokubakanyisa, ukuba ku hanjwe emini na sebusuku.

22 Ka i susanga isiska yefu emini nensika yomlilo ebusuku, ngapambi kwabantu.

ISAHLUKO 14.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kwabakaIsraeli, ukuba ba buye ba ngenise pambi kwePihahirote, pakati kweMigdole nolwandhle, pambi kweBalzefoni; a no ngenisa pambi kwalo, ngaselwandhle.

3 uFaro u ya kuti ngabaka Israeli, Ba xakekile ezweni, ba vinjelwe ihlane.

4 Ngi wa kwenza inhliziyi ka Faro i be lukuni, u ya kubalandela; ngi ya kuzuzwa udumo ngoFaro na ngamabandhla ake, abasEgipite a ya kwazi ukuti, ngi nguJehova. Benza njalo:

5 Kwa bikwa enkosini ya sEgipite, kwa tiwa, abantu ba balekile; inhliziyi ka Faro neyezinecku zake, ya guqukela abantu, ba ti, Senzeni; si ba vumele ab-Israeli ba hambe, ba nga si konzi.

6 Wa lungisa inqola yake, wa hamba nabantu bake.

7 Wa hamba nezingqola eziketiweyo ezimakulu a isitupa, nezingqola zonke za sEgipite, nezinduna zazo zonke.

8 uJehova wa yenza inhliziyo ka Faro, inkosi ya sEgipite, ya ba'luKuni, wa ba xotya, abakwaIsraeli; abakwaIsraeli ba puma ngesandhla esipakamileyo.

9 AbasEgipite ba ba xotya, amahashi onke, nezingqola zika Faro, nabakweli bake bamahashi, nempi yake, ba ba fumana, be ngenisile nga selwandhle, nga sePihalirote, pambi kweBalzefoni.

10 uFaro se e sondele, abakwaIsraeli ba kangela, bheka, abasEgipite ba be ba landela; besaba kakulu; abakwaIsraeli ba kala kuJehova.

11 Ba ti kuMosi, U si susile ukuba si fe ehlane, ngokuba e nge ko amaliba Egipite na? wenzeni kitina ngokusikupa Egipite.

12 Leli a silo izwi na esa li tyoyo kuwe Egipite, sa ti, Si yeke, si konze abasEgipite? ngokuba kuhle kitina ukuba si konze abasEgipite ku nokuba si fe ehlane.

13 uMosi wa ti kubantu, Ni ngesabi, yimani, ni bone ukusindisa kuka Jehova, a ya kunenzela kona namhla; ngokuba abasEgipite eni wa bonileyo namhla, a ni sa yi kubuya ni wa bone ku ze ku be pakade.

14 uJehova u ya kunilwela, ni ya kutula nina.

15 uJehova wa ti kuMosi, U kalelani kimi? Yityo kwabakwaIsraeli, ukuba ba suke ba hambe.

16 Pakamisa induku yako, welule isandhla sako pezu kolwandhle, u lwahlukanise; abakwaIsraeli ba ya kuhambapakati kolwandhle emhlabati ini.

17 Mina, bheka, ngi ya kuyenza inhliziyo yabasEgipite i be lukuni, ba ya kuba landela; ngi ya kuzusa udumo ngoFaro, na ngamabandhla ake, ngezingqola zake, na ngabakweli bake bamahashi.

18 AbasEgipite ba ya kwazi ukuti, ngi nguJehova, nxa ngi zusa udumo ngoFaro, na ngezingqola zake, na ngabakweli bake bamahashi.

19 Ingelosi ka Tixo, e bi hamba pambi kwempi yabaIsraeli, yesuka ya ya emva kwabo; insika yefu yesuka pambi kwabo, ya ya yema emva kwabo;

20 Ya fika pakati kwempi yabasEgipite nempi yabaIsraeli; ya ba ifu nobumnyama ngalapa, ya kanyisa ubusuku ngalapa; ka ba sondelana ubusuku bonke.

21 uMosi welula isandhla sake ngapezu kolwandhle; uJehova wa mukisa amanzi

ngomoya o namandla wasempumalanga owa pepeta lobobusuku bonke, wa pendula ulwandhle lwa ba umhlabati, amanzi ahlukana.

22 AbakwaIsraeli ba hamba pakati kolwandhle emhlabatini; amanzi a ba udonga kubo ngakwesokunene na ngakwesokohlo.

23 AbasEgipite ba ba xotya, ba ngena emva kwabo, amahashi onke ka Faro, izingqola zake, nabakweli bake bamahashi, ba ya pakati kolwandhle.

24 Kwa ti ngomlindo wokusa, uJehova wa bheka impi abasEgipite ngensika yomlilo nefu, wa hlakaza impi yabasEgipite.

25 Wa kumula amasondo ezinqola, za hamba kalukuni; abasEgipite ba ti, A si baleke ebusweni babaIsraeli, ngokuba uJehova u ya ba lwela, u ya ba cita abasEgipite.

26 uJehova wa ti kuMosi, Yelula isandhla sako pezu kolwandhle, ukuba amanzi a buyele pezu kwabasEgipite, pezu kwezingqola zabo, na pezu kwabakweli babo bamahashi.

27 uMosi welula isandhla sake pezu kolwandhle; ulwandhle lwa buyela endaweni yalo, nxa se ku sa; abasEgipite ba lu balekela; kepa uJehova wa ba cita pakati kolwandhle.

28 Amanzi a buya, a sibekela izingqola nabakweli bamahashi, impi yonke ka Faro, eya ngena elwandhle emva kwabo; a kwa sala namunye kubo.

29 Kodwa abaka Israeli ba hamba emhlabatini pakati kolwandhle; amanzi a ba udonga kubo ngakwesokunene na ngakwesokohlo.

30 uJehova wa sindisa abaIsraeli ngalolosuku esandleni sabasEgipite; abaIsraeli ba bona abasEgipite e file ogwini lwa selwandhle.

31 AbaIsraeli ba bona lowomsebenzi omkulu, a wenzayo uJehova kuwo abasEgipite; abantu ba m saba uJehova, ba kolwa uJehova noMosi, inceku yake.

#### ISAHLUKO 15.

**K**ONA uMosi nabakwaIsraeli ba hlabelele leligama kuJehova, ba ti, Ngi ya kuhlabelela kuJehova, loku e nobukosi obukulu; ihashi no li kweleyo u li ponsile elwandhle.

2 uJehova u ngamandhla ami negama lami; u ukusindiswa kwami, u nguTixo wami; ngi ya kumbonga; u nguTixo ka baba, ngi ya kumdumisa.

3 uJehova u iqawe lokulwa; uJehova igama lake.

4 Izingqola zika Faro nempi yake u zionsile elwandhle; izinduna zake ezike-tiweyo za cwiliswa elwandhle olubomvu.

5 Amahlambi a ya ba sibekela, ba tyona ekujuleni njengetye.

6 Esokunene sako, Jehova, si kulu emandhlени; esokunene sako, Jehova, si ya sakaza impi.

7 Ngobukulu bobukosi bako u ya cita abakuvukelayo; u ya tuma ulaka lwa-ko, lu ya ba dhla njengotyani.

8 Ngomoya wamakala ako amanzi a qoqeka; amanzi e ma njengodonga; amahlambi a nquma pakati kolwandhle.

9 Sa ti isita, Ngi ya kubaxotya, ngi ba fumane, ngi dhle impahla; inhliziyoyami i yakusuta ibo; ngi ya kukipa inkemba yami; isandhla sami si ya kuba geda.

10 Wa pepeta ngomoya wako, ulwandhle lwa bembesa, ba tyonisa okomtofu emanzini anakulu.

11 Ubani o njengawe pakati kotixo Jehova ubani o njengawe, u dumile ngobungwele, wesabeka ngezibongo, wenza izimangaliso?

12 Welula esokunene sako; umhlaba u ya ba gwinya.

13 Ngomusa wako wa ba punisa abantu o ba hlengileyo; ngamandhla ako wa ba hambisela ekaya lako elingwele.

14 Abezizwe bezwa; besaba; aba se-Filisti ba banjwa uvalo.

15 Kona amakosi a seEdomi etuka; izikulu za kwaMoabi zi ya banjwa ukututumela; abantu bonke ba seKenani ba pela mandhla.

16 Ba yehlelwa uvalo nokwesaba; ngamandhla engalo yako ba ya tulisa okwetye; ba ze ba dhlule abantu bako, Jehova, ba ze ba dhlule abantu o ba tengileyo.

17 U ya kubangenisa, u ba tyale entabeni yefa lako, endaweni o zi lungisile yona, i be eyokuhlala kwako, Jehova, endhlini engwele, Jehova, ezi i misile yona izandhla zako.

18 uJehova u ya kubusa ku ye ku be pakade.

19 Kwa ngena elwandhle amahashi ka Faro kanye nezingqola zake nabakweli bake bamahashi, uJehova wa buyisela amanzi olwandhle pezu kwabo, kodwa abakwaIsraeli ba hamba emhlabafini pakati kolwandhle.

20 uMiriamu, unprofeti, udade wabo ka Aroni, wa pata isigubu ngesandhla

sake, abesifazana bonke ba m landela, be pete izigubu be sina.

21 uMiriamu wa ba vumela wa ti, Hlabalelani kuJehova, loku e nobukosi obukulu; ihashi no li kweleyo u li ponsile elwandhle.

22 uMosi wesuka elwandhle olubomvu naba Israeli; ba ya ehlane la seShuri; ba hamba izinsuku ezintatu ehlane, be nga fumani amanzi.

23 Ba fika eMara, kepa ba be nge nakupuza amanzi a seMara ngokuba a e-bala; ngako igama lalo la tiwa iMara.

24 Abantu ba m sola uMosi, ba ti, Si ya kupuzani?

25 Wa kala kuJehova; uJehova wa m bonisa umuti; wa u ponsa emanzini, amanzi a ba mtoti; lapo wa ba nika isiminiso nomteto; na lapo wa ba linga;

26 Wa ti, Uma u ya kuzwa impela izwi lika Jehova, uTixo wako, wenze okulungileyo emehlweni ake, u lalele imiyalo yake, u geine izininiso zonke zake, a ngi yi kubeka pezu kwako nasinye kulezozifo, engi zi bekileyo pezu kwabasEgipite, ngokuba ngi nguJehova o ku pilisayo.

27 Ba fika eElime, lapo ya i kona imitombo yamanzi e ishumi nambili, nemitemari emashumi a isikombisa, ba ngenisa lapo ngasemanzini.

#### ISAHLUKO 16.

**B**ESUKA eElime, umhlangano wonke wabakwaIsraeli wa fika ehlane la seSine, eli pakati kweElime neSinai, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesibili, iloko ba puma ezweni la sEgipite.

2 Umhlangano wonke wabakwaIsraeli wa sola uMosi noArone ehlane.

3 AbakwaIsraeli ba ti kubo, Ku nga ti nga sa fa ngesandhla sika Jehova ezweni la sEgipite, lapo sa si hlezi nga sezimbizeni zenyama, lapo sa si dhla isinkwa sa suta; ngokuba ni si letile ku lehlilane, ukuba ni bulale lomhlangano wonke ngendhlala.

4 uJehova wa ti kuMosi, Bheka, ngi ya kuninisa isinkwa sa sezulwini; abantu a ba pume ba si bute esaneleyo imihla ngemihla, ukuze ngi ba linge ukuba ba ya kuhlamba ngomteto wami ini.

5 A ku ti ngosuku lwesitupa ba lungise aba ku butileyo, ku ti isilinganiso esi butwa imihla ngemihla si pindwe kabili.



ba fika emikaulweni yezwe la seKena-ni.

36 Ithoma li ngokweshumi kwefa.

### ISAHLUKO 17.

UMHLANGANO wonke wabaka Israeli wesuka ehlane la seSine, ba hamba ngokusuka kwabo, ngokutyo kuka Jehova, ba ngenisa eRefidime; kwa ku nge ko ananzi okuba abantu ba puze.

2 Abantu'ba m sola uMosi, ba ti, Si pe amanzi, si puze, uMosi wa ti kubo, Ni ngi solemeni na? Ni m lingelani uJehova?

3 Abantu bomela amanzi lapo; abantu ba m sola uMosi, ba ti, U si kupuleleni Egipite ukusibulala, tina nabantwana betu, nezinkomo zetu ngokoma?

4 uMosi wa kala ku Jehova, wa ti, Ngi ya kubenze njani lababantu? se be za kungikanda ngamatye.

5 uJehova wa ti kuMosi, Dhlula pambi kwabantu, u hamba nezikulu zabantu; induku owa tyaya umfula ngayo u i pate ngesandhla, u hamba.

6 Bheka, ngi ya kuma pambi kwako lapo pezu kwetye eHorebe; wo tyaya itye; amanzi a ya kupuma kulo, abantu ba puze. Wenza njalo uMosi emehlweni ezikulu zabaka Israeli.

7 Wa qamba igama la leyondawo iMasa, neMeriba, ngokupikisana kwabaka Israeli, na ngokumlinga kwabo uJehova, ngokuti, uJehova u kona pakati kwetu ini na?

8 Kwa fika uMaleki, wa lwa naba-Israeli eRefidime.

9 uMosi wa ti kuJoshua, Si ketele abantu, u pume u lwe noAmaleki; ngomuso ngi ya kuma entabeni pezulu ngi pete induku ka Tixo ngesandhla.

10 uJoshua wenza njengokutyo kuka Mosi kuye, wa lwa noAmaleki; oMosi, noAroni, noHure, beyukela entabeni pezulu.

11 Kwa ti, nxa uMosi e sa si pakamisile isandhla sake aba-Israeli bahlula, nxa e sehliisa isandhla sake uAmaleki wahlula.

12 Kepa izandhla zika Mosi za ba nzima; ba tabata itye ba li beka pansi kwake, wa hlala pezu kwalo; uAroni noHure ba sekela izandhla zake, omunye e ngalapa, omunye e ngalapa, izandhla zake za sekelwa la za la tyona.

13 uJoshua wa cita uAmaleki nabantu bake ngobukali benkemba.

14 uJehova wa ti kuMosi, Loba loku ku be isikumbuzo enwadini, u ku beke ezindlebeni zika Jeshua, ukuti, ngi ya kuhlanguka ukukunjulwa kuka Amaleki ku nga bi ko pansi kwezulu.

15 uMosi waka ilati, wa qamba igama lalo uJehovanisi,

16 Wa ti, Isandhla si sesihlalweni sika Jehova, uJehova u ya kulwa noAmaleki izizukulwane ngezizukulwane.

### ISAHLUKO 18.

UJETRO, umprihi wa kwaMidiani, umkwe ka Mosi, wezwa konke, uTixo a be kwenzele uMosi noIsraeli, abantu bake, ukuti, uJehova wa e kipile aba-Israeli Egipite;

2 uJetro, umkwe ka Mosi, wa tabata uZipora, umka Mosi, emva kokubuya kwake,

3 Namadodana ake amabili, igama lomunye la li nguGershomi, ngokuba wa ti, nga ngi isihambi ezweni lezizwe;

4 Igama lomunye la li nguElizeri, ngokuba wa ti, uTixo ka baba wa ngi siza, wa ngi sindisa kuyo inkemba ka Faro.

5 uJetro, umkwe ka Mosi, wa fika namadodana ake nomkake kuMosi ehlane, lapo wa e ngenisile kona entabeni ka Tixo.

6 Wa ti kuMosi, Mina mkwe wako, uJetro, ngi ze kuwe nomkako namadodana ake amabili.

7 uMosi wa puma wa ya kumhlanga-beza umkwe wake, wa kuleka kuye, wa m anga; ba buzana ukuhlala kwabo; ba ngena etenteni.

8 uMosi wa m landisa umkwe wake konke a be kwenzile uJehova kuFaro na kubo abasEgipite ngenxa yaba-Israeli, ukhlupeka konke okwa behlela endhleleni, nokuti uJehova wa e ba sindisile.

9 uJetro wa tokoza ngako konke okuhle uJehova a be kwenzile kuba-Israeli, ukuti, wa e ba sindisile esandhleni sabasEgipite.

10 uJetro wa ti, Ka bongwe uJehova o ni sindisile esandhleni sabasEgipite, na sesandhleni sika Faro, o ba sindisile abantu pansi kwesandhla sabasEgipite.

11 Kaloku ngi yazi ukuti uJehova mkulu ku nabo bonke otixo, yebo, ngaloko aba zikukumeza kubo ngako wa bahlula.

12 uJetro, umkwe ka Mosi, wa m taba-

tela uTixo umnikelo wokutyiswa nemihlatyelo; weza uAroni nezikulu zaba-Israeli, ukuba ba dhle ukudhla nomkwe ka Mosi pambi kuka Tixo.

13 Kwa ti ngangomso uMosi wa e hlala ukuteta amacala abantu; abantu bema kuMosi iloku kwa sa kwa za kwa hlwa.

14 Umkwe ka Mosi wa bona konke uMosi a kwenzela abantu, wa ti, Ku ini loku o kwenzela abantu? U hlalelani wedwa, abantu bonke bemu kuwe iloku kwa sa ku ze ku hlwe?

15 uMosi wa ti kumkwe wake, Ngo-kuba abantu beza kimi ukubuza ku-Tixo.

16 Uma be nendaba beza kimi, ngi teta amacala abo; ngi ya bazisa izimiso zika Tixo, nemiteto yake.

17 Umkwe ka Mosi wa ti kuye, A ku lungile loku o kwenzayo.

18 U ya kupela mandhla, wena na lababantu aba nawe; ngokuba loku kunzima kuwe; a u namandhla okukwenza u wedwa.

19 A ku lalele izwi lami, ngi ku luleke, uTixo a be nawe; Mela abantu pambi kuka Tixo, u lete amacala abo ku Tixo;

20 U ba fundise izimiso nemiteto, u ba tyengise indhlela e nga be hamba ngayo, nomsebenzi e nga be wenza.

21 Keta kubantu bonke, amadoda ahlakanipileyo, a m esabayo uTixo, amadoda a qinisileyo, a zonda ukufuya ngenkohliso; u wa beke pezu kwabo, a be izinduna zenkulungwane, izinduna zekulu, izinduna zamashumi mahlanu, nezinduna zeshumi;

22 A bo teta amacala abantu ngezinkati zonke; ku ti, ba lete kuwe onke amacala amakulu, kepa ba tete bona onke amacala amancinyane; kona ku ya kuba lula kuwe; a ba hlanguyele umsebenzi nawe.

23 Uma wenza loku, noTixo e ku yala kona, u ya kuba namandhla okuma, na lababantu bonke ba ya kubuyela emakaya abo be nokutula.

24 uMosi wa lalela izwi lomkwe wake, wa kwenza konke a be ku tyilo.

25 uMosi wa keta pakati kwabo bonke aba-Israeli amadoda a hlakanipileyo, wa wa beka a be izikulu pezu kwabantu, izinduna zenkulungwane, izinduna zekulu, izinduna zamashumi amahlanu, nezinduna zeshumi.

26 Ba teta amacala abantu ngezinkati

zonke; amacala amakulu ba wa leta ku-Mosi, kepa onke amacala amancinyane ba wa teta bona.

27 uMosi wa m valelisa umkwe wake; wesuka wa buyela ezweni lakubo.

### ISAHLUKO 19.

**N**GENYANGA yesitatu ngesemva kokupuma kwabaka Israeli ezweni la sEgipite, ngalolosuku ba fika ehlane la seSinai.

2 Besuka eRefidime ba fika ehlane la seSinai, ba ngenisa ehlane; lapo aba-Israeli ba ngenisa pambi kwentaba.

3 uMosi wenyuka wa ya kuTixo; uJehova wa memeza kuye entabeni, wa ti, Yityo kuyo indhlu ka Jakobe; u ba tyele abaka Israeli, u ti,

4 Na bona loko enga kwenzayo kuwo abasEgipite, nokuti, nga ni twala ngamapiko okozi, nga ni leta kimi.

5 Bhekani, uma ni lalela izwi lami impela, ni gcine isivumelwano sami, kona ni ya kuba infuyo yami ku nazo zonke izizwe; ngokuba umhlaba wonke u ngowami;

6 Ni ya kuba umbuso wami wabapristi, nesizwe esingewe. Lawa a ngamazwi o ya kuwatyo kwabaka Israeli.

7 uMosi weza, wa biza izikulu zabantu, wa beka pambi kwazo lawomazwi onke, a m yalela wona uJehova.

8 Abantu bonke ba pendula kanyekanye, ba ti, Konke a ku tyiloyo uJehova, si ya kukwenza. uMosi wa buyisela kuJehova amazwi abantu.

9 uJehova wa ti kuMosi, Bheka, ngi za kuwe ngefu elinzima, ukuba abantu bezwe, nxa ngi kuluma nawe, ba kwetembe wena njalonzalo uMosi wa m landisa uJehova amazwi abantu.

10 uJehova wa ti kuMosi, Hamba u ye kubantu, u ba hlambulule namhla na ngomuso; a ba hlanze izingubo zabo;

11 Ba be a se be lungile ngosuku lwesitatu; ngokuba ngosuku lwesitatu uJehova u ya kwehlela entabeni ya seSinai emehlweni abantu bonke;

12 Wo ba misela abantu umkaulo inxa zonke, u ti, Xwayani, ni ngenyukeli entabeni, ni nga pati eceleni kwayo; lo-wo o ya kupata intaba u ya kubulawa impela;

13 Ka nga patwa ngesandhla, kodwa a kandwe ngamatye, nokuba a tyawe ngenicibityolo impela; a ku nga pili, noma ku inkomo, noma ku umu-

ntu; nxa ku tyaywa itilongo lokumemeza, a benyukele entabeni.

14 uMosi wehla entabeni wa ya kubantu; wa ba hlambulula abantu; ba hlaliza izingubo zabo.

15 Wa ti kubantu, Yibani se ni lungile ngosuku lwesitatu; ni nga sondeli kumfazi.

16 Kwa ti ngosuku lwesitatu, se ku sile, kwa ba kona ukuduma, nonyazi, nefu elinzima, pezu kwentaba; nokukala kwetilongo okukulu kakulu; ba tumela bonke abantu aba sekamu.

17 uMosi wa puma nabantu ekamu ukuya kublanguana noTixo; ba ya bema enzansi nentaba.

18 Intaba yonke ya seSinai ya tunqa umusi; ngokuba uJehova wa ehlele pezu kwayo ngomlilo; umusi wayo wenyuka njengomusi weziko; intaba yonke ya zamazama kakulu.

19 Ukukala kwetilongo kwanda kwezwakala kakulu, uMosi wa kuluma, uJehova wa m pendula ngezwi.

20 uJehova wehlela pezu kwentaba ya seSinai, esihlokweni sentabeni pezulu; uJehova wa biza uMosi ukuba eze esihlokweni sentaba; uMosi wa kupuka.

21 uJehova wa ti kuMosi, Yehla, u ba yalalise abantu, funa ba fohlele kuJehova ukuba ba bheke; ba fe abaningi kubo.

22 Abapristi, aba sondela ku Jehova, a ba zihlambulele nabo, funa uJehova a ba sukele.

23 uMosi wa ti kuJehova, Abantu ba nge kupukele entabeni ya seSinai; ngokuba u si yalisisile, wa ti, Misela intaba umkaulo, u i hlambulule.

24 uJehova wa ti kuye, Hamba, wehle; wo buya u kupuke, wena noAroni; kodwa abapristi nabantu a ba nga fohli ukukupukela ku Jehova, funa eqele kubo.

25 uMosi wehla wa ya kubantu, wa ba tyela.

ISAHLUKO 20.

U TIXO wa kuluma onke lawamazwi, wa ti,

2 Ngi nguJehova, uTixo wako, o ku kipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yezigqili.

3 U nga bi nabanye otixo ngapandhle kwami.

4 U nga zenzeli isitombe esibaziweyo, namfanekiso woluto olu sezulwini pezulu; nolu semhlabeni pansu, nolu semanzini pansu komhlaba.

5 U nga kotameli pambi kwabo; u nga ba konzi; ngokuba mina Jehova, uTixo wako, ngi nguTixo o nomona; ngehlisela izono za oyise kubantwana, abesizukulwane sesitatu nabesesine sabangizondayo;

6 Ngi benzela umusa aba izinkulungwane abangitandayo, abagcina imiyalo yami.

7 U nga li pati ngeze igama lika Jehova, uTixo wako; ngokuba uJehova a ka yi kumtetelela o pata igama lake ngeze.

8 Kumbula usuku lwesabata, u lu geline lu be ingewele.

9 Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, u wenze wonke umsebenzi wako;

10 Kepa usuku lwesikombisa lu isabata lika Jehova uTixo wako; u nga sebenzi umsebenzi ngalo, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nezinkabi zako, nohambileyo kuwe o semzini wako;

11 Ngokuba ngezinsuku ezi isitupa u Jehova wenza izulu, nomhlaba, nolwadhle, nako konke oku kuko; wa pumula ngosuku lwesikombisa; ngako uJehova wa busisa usuku lwesikombisa, wa lwe-nza lu be ingewele.

12 Hlonipa uyihlo nonyoko ukuba izinsuku zako zande ezweni a ku nika lona uJehova, uTixo wako.

13 U nga bulali.

14 U nga pingi.

15 U ngebi.

16 U nga m fungeli amanga owakelene nawe.

17 U nga nxaneli indhlu yowakelene nawe, u nga nxaneli umfazi wowakelene nawe, nesisebenzi sake sesilisa, nesesifazana; nenkabi yake nembongolo yake, na lunye uto lwake owakelene nawe.

18 Abantu bonke ba bona ukuduma, nonyazi, nokukala kwetilongo, nentaba etunqayo; abantu ba bona, ba tutumela besuka bema kude.

19 Ba ti kuMosi Kuluma wena nati, si zwe, Kepa uTixo ma nga kulumi nati funa si fe.

20 uMosi wa ti kubantu, Ni ngesabi; ngokuba uTixo u ze ukuba a ni linge, nokuba ukumesaba ku be pambi kwenu, ukuze ni ngoni.

21 Abantu bema kude, uMosi wa sondela ebumnyameni lapo wa e kona uTixo.

22 uJehova wa ti kuMosi, Yityo kwa-



baka Israeli, u ti, Ni bonile ukuti, ngi kulumile nani, ngi sezulwini.

23 Ni ngenzi luto lu be ndawonye nami; ni nga zenzeli otixo besiliva notixo begolide.

24 Wo ngenzela ilati lomlabati, u nikele pezu kwalo iminikelo yako yokutyiswa, nemiukelo yako yokutula, izimvu zako, nezinkomo zako; ezindaweni zonke lapo ngi za kwenza li kunjulwe kona igama lami, ngi ya kuza kuwe, ngi kubusise.

25 Uma u ngenzela ilati ngamatye, u nga laki ngamatye abaziweyo; uma u li petela imbazo, u li ngcolisile.

26 U nga kweli elatini lami ngezikwelo, funa ku bonakale ubunqunu bako.

### ISIAHLUKO 21.

**I**LE i imiteto o ya kuimisa pambi kwa-bo.

2 Nxa u tenga isigqili samaHeberu, si ya kusebenza iminyaka e isitupa; ngwesikombisa si ya kupuma si kululekile ngeze.

3 Uma si fika sodwa, si ya kupuma sodwa; uma si ganiwe, si ya kupuma nomkaso.

4 Uma umniniso e si nika umfazi, umfazi e si zalela abafana noma ku amantombazana, umfazi nabantwana bake ba ya kuba obomuniso, sona si ya kupuma sodwa.

5 Uma isigqili si qinisa si ti, Ngi ya tanda inkosi yami, nomkami, nabantwana bami; a ngi yi kupuma ngi kululekile;

6 Kona wo si leta ku Tixo; a si lete na nga semnyango, noma ensikeu yomnyango; umuniso a si bobose indhlebe ngosungulo, si m kouze ku ze ku be pakade.

7 Uma umuntu e tengisa ngendodakazi yake i be isigqili, a i nga pumi nje ngezigqili zesilisa zi puma.

8 Uma imbi emehlweni omuninyo, o zimisele yona, wo i kulula; ka nga bi nakutengisa ngayo kwabezizwe, loku e i pete ngenkohliso.

9 Uma e i misela indodana yake, wo i patisa okwamadodakazi.

10 Uma e i tabatela omunye umfazi; ka nga nqabi nokudhla kwayo, na nezingubo zayo, nokuhlala kwayo.

11 Uma e nga yenzeli loku okutatu, i ya kupuma ngeze, i nga tengwa ngemali.

12 O tyaya ununtu a ze a fe wo bulawa impela.

13 Uma e nga m qameli, uTixo e m nikela esandhlени sake, ngi ya kukumsela indawo a ya kubalekela kuyo.

14 Nxa umuntu e m vukela owakelene naye, a m bulale ngobuqili, wo m tabata na selatini lami, a fe.

15 O tyaya uyise nonina wo bulawa impela.

16 Oweba umuntu, a tengise ngaye, noma e funyanwa esandhlени sake, wo bulawa impela.

17 O tuka uyise nonina u ya kubulawa impela.

18 Nxa abantu be xabene, omunye a tyaye omunye ngetye, noma ngofese, e nga fi, kepa e limele, a hlale embedeni;

19 Uma e lulama, a dondolozele ezweni ngenduku yake, konake owa m tyayayo u ya kutetelelwa, kodwa u ya kukoka isikati sake esapukileyo, a m elape a ze a pile.

20 Nxa umuntu e tyaya ngenduku isigqili sake sesilisa nesefazana, si fe, si sesandhlени sake, wo lahlwa;

21 Kodwa uma si hlala usuku lu be lunye, noma zi be zimbili, ka nga lahlwa, ngokuba si imali yake.

22 Nxa abantu be xabene, ba limaze umfazi okulelweyo, si hlale isisu sake, ku nga veli ingozi, wo hlauliswa impela njengokubiza o kwendoda yomfazi kuye, a koke njengokunquma kwabateta macala.

23 Uma ku vela ingozi, konake wo kwenana ukupila ngokupila;

24 Iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandhla ngesandhla, unyawo ngonyawo,

25 Ukutyiswa ngokutyiswa, inxeba ngenxeba, unvimbo ngomvimbo.

26 Nxa umuntu e tyaya iso lesigqili sake sesilisa nesefazana, a li bulale, wo si kulula ngenxa yeso laso.

27 Uma e tyaya izinyo lesigqili sake sesilisa, noma esefazana, a li kipe; wo si kulula ngenxa yezinyo laso.

28 Nxa inkabi i hlaba umuntu wesilisa, noma owesifazana, a fe, inkabi yo kandwa ngamatye, inyama yayo i nga dhliwa, kepa umuninyo inkabi ka nga bi nacala.

29 Kodwa uma inkabi ya i hlaba na kade, e kwazi umuninyo, e nga i gcini, uma i bulala umuntu wesilisa, noma wesifazana, inkabi a i kandwe ngamatye, a bulawe nomuninyo.

30 Uma e hlauliswa, ka koke loko kouke a hlauliswa kona, a zihlengi, ukuba a nga bulawa.

31 Uma i hlaba umfana nentombazana a kwenziwe kuye njenga lomteto.

32 Uma inkabi i hlaba isigqili sesilisa, noma esesifazana, ka m nike umniso amashekeli esiliva a be mashumi matatu, inkabi a i kandwe ngamatye.

33 Nxa umuntu e mbulula umgodi, nanxa emba umgodi, e nga u sibekeli, inkabi, noma imbongolo, i keleketela kuwo;

34 Umninimgodi ka koke, a m nike umniniyo imali, inkabi efleayo i be eyake.

35 Nxa inkabi yomuntu i hlaba inkabi yomunye, i fe, ka ba tengise ngenkabi epilileyo, ba hlukaniselane imali yayo, ba hlukaniselane nayo efleayo.

36 Kodwa uma kwaziwa ukuti inkabi ya i hlaba na kade, umniniyo e nga i geini, ka koke inkabi ngenkabi, inkabi efleayo i be eyake.

ISAHLUKO 22.

**N**XA umuntu eba inkabi, noma imvu, na i hlabe, noma a tengise ngayo, ka i koke inkabi ngezinkabi ezi isihlanu, imvu ngezimvu ezine.

2 Uma isela li banjwa li fohla, li tyaywe, li fe, igazi a li yi kubizwa ngalo.

3 Uma ilanga li pumile pezu kwalo, igazi li ya kubizwa ngalo; li ya kukoka nokukoka; uma li nga naluto, ko tengiswa ngalo ngenxa ya loko eli kwebileyo.

4 Uma ku funyanwa eli kwebileyo ku sesandhlani salo, ku sezwa, noma ku inkabi, noma ku imbongolo, noma ku imvu, ka i koke kabili.

5 Nxa umuntu e dhla insimu, noma isivine, a zi yeke izinkomo zake, zi dhle ensimini yomunye, ka ku koke ngobuhle bensimu yake na ngobuhle besivine sake.

6 Uma ku suka umlilo, u vute emeveni, ku ze kutye nezita zamabele, noma amabele a nga ka vunwa, noma insimu, yena owa u tungelayo umlilo ka ku koke.

7 Nxa umuntu e beka imali, noma impahla komunye, ukuba a i londolozwe, yebiwa endhlini yake; uma isela li banjwa, a li ku koke kabili.

8 Uma isela li nga banjwa; umnini-ndhlu ka letwe kuTixo, ku bonwe ukuba ka si fakangani ini isandhla sake empahlani yomunye.

9 Ngamacala onke okona, elenkabi, nelembongolo, nelemvu, nelengubo, ne-

lento elahlekileyo, a tyoyo ngayo omunye, e ti, Le i iyo, a ba fike bobabili necala pambi kuka Tixo; o ya kulahlwa uTixo, ka m kokele omunye kabili.

10 Nxa umuntu e beka komunye imbongolo, noma inkabi, noma imvu, noma ku esinye isilwane, ukuba a ku londolozwe, uma i fa, noma i limala, noma i tunjwa, ku nga bonwa muntu;

11 Konake ko ba isifungo sika Jehova pakati kwabo bobabili, soku ti, ka si fakangani isandhla sake ezinkomeni zomunye; umniniyo ka si vume, a nga i koki.

12 Uma yebiwe kuye, ka m kokele umniniyo.

13 Uma i detyulwe, ka i lete i be ufakazi, ka nga koki okwa detyulwa.

14 Nxa umuntu e tyeleka uto komunye, lu limala, noma lu fa, umniniyo e nge ko nalo, ka lu koke impela.

15 Uma umniniyo e kona nalo ka nga lu koki; uma lwa tyelekwa ngemali, lweza ngemali yalo.

16 Nxa umuntu e yenga intombi, e nge siyo ingodusi a lale nayo, ka i lobele, i be umkake.

17 Uma uyise ala ukumnika yona, ka koke imali e lingene nokulotyolwa kwentombi.

18 U nga vumi ukuba isanusi sj pile.

19 O lala nenkomo ka bulawe nokubulawa.

20 O hlabela omunye utixo ngapandhle kuka Jehova yedwa, ka bujiswe.

21 U nga katazi owezizwe, u nga m hlupi, ngokuba be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite.

22 Ni nga hlupi umfelokazi nentandane.

23 Uma u ba hlupa, ba kale kimi, ngi ya kuzwa ukukala kwabo.

24 Ulaka lwami lu ya kuvuta, ngi ya kunihlala ngenkamba; omkenu ba ya kuba abafelokazi, nabantwana bentu ba be izintandane.

25 Uma u tyeleka imali kubantu bami abampofu aba hlezi nawe, u nga ba patisi okwaba tyeleka ngemali, ni nga bizi inzuzo kubo.

26 Uma u tabata ingubo yomuntu, i be isibaumbiso, wo i buyisela kuye, li nga ka tyoni ilanga.

27 Ngokuba le i ukupela kwengubo yake, i isambato somzimba wake; u ya kulala ngani na? ku za kuti, nxa e kala kimi, ngi ya kumuzwa, ngokuba ngi nonusa.

28 U nga tuki uTixo, u nga m eisi umbusi wabantu ba kini.

29 U nga libali neminikelo yamabele newaini; wo ngi nika izibulo emadodaneni ako.

30 Ma wenze njalo na ngezinkomo zako, na ngezimvu zako; li ya kuhlala kunina izinsuku ezi isikombisa; ngolweshiyagalolunye wo ngi nika lona.

31 Ni ya kuba abantu bami abangwele; ni nga dhli inyama e dhliwe izilo endhle; a no i ponsa ezinjeni.

ISAHLUKO 23.

U NGA qubi indaba yamanga; u nga hlaugau nababi ukuba ufakazi wamanga.

2 U nga laudeli isixuku ngokwenza okubi; u su nquna ecaleni, u nga pambuki nesixuku ngokupambukisa icala.

3 U nga m bheki ompofu ku nabanye ecaleni lake.

4 Nxa u fumana inkabi yesita sako, noma imbongolo yake, yeduka, wo i buyisela kuye.

5 Uma u bona imbongolo yokuzo ndayo i lele pansi komtwalo wayo, qapela u nga m shiyi, wo i kumula naye.

6 U nga pambukisi icala lompofo wa kini ekutetweni kwalo.

7 Deda kude endabeni yamanga; u nga bulali o nge nacala nolungileyo; ngokuba a ngi yi kumtetelela owonileyo.

8 U nga wamkeli umvuzo, ngokuba umvuzo u puputekisa amehlo, u pambukise amazwi abalungileyo.

9 U nga hlupi owezizwe; ni yazi inhlizyo yoweizizwe, loku be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite.

10 Wo lima izwe lako iminyaka e isitupa; u vune izitelo zalo.

11 U li yeke ngomnyaka wesikombisa, li hlale; ukuba abampofu kwabakini ba dhle; okuseleyo kubo a ku dhliwe izilwane za sendhle: Yenze njalo ngesivini sako, na ngesihlwati sako.

12 Wo sebenza umsebenzi wako izinsuku ezi isitupa, u pumule ngolwesikombisa, ukuba ku hlale inkabi yako, nembongolo yako, ku pefumle indodana yesigqili sako sesifazana nowezizwe.

13 Qapelani konke loku engi ku tyiloyo kini, ni nga kulumi igama labanye oTixo, a li nga pumi emlonyeni wako.

14 Wo ngenzela imihlangano emitatu ngomnyaka.

15 Wo gcina umhlangano wesinkwa esi nga vutyelwe; u ya kudhla isinkwa

esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa njengokutyo kwami kuwe, ngesikati esimisiweyo senyanga uAbibi; ngokuba wa puma ngayo Egipite; a ku nga bonakali namunye pambi kwami e nga pete luto;

16 Nomhlangano wokuvuna, wolibo lwemisebenzi yako, o ku hlwanyelayo ensimini; nomhlangano wokubuta ekupeleni komnyaka, lapo u buta imisebenzi yako ensimini.

17 Abesilisa bako bonke a ba bonakale pambi kweNkosi uJehova katatu ngomnyaka.

18 U nga nikeli igazi lomhlatyelo wami kanye nesinkwa esivutyelweyo; namafuta omhlangano wami ma nga sali ku ze ku se.

19 Okokuqala kolibo lwezwe lako, wo ku leta endhlini ka Jehova, uTixo wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini luka nina.

20 Bheka, ngi ya tuma ingelosi pambi kwako, ukuba i ku gcine endhleleni, i ku yise endaweni engi i lungisileyo.

21 I bheke, u lalele izwi layo, u nga i cunuli; ngokuba a i yi kutetelela ukona kwenu, ngokuba igama lami li kuyo.

22 Uma u lalela izwi layo impela, u kwenze konke, engi ku tyoyo, kona ngi ya kuba isita kwaba izita zako, ngi ba hlupye aba ku hlupayo.

23 Ngokuba ingelosi yami i ya kuhamba pambi kwako, i ku yise kuwoamaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaKenani, namaHivi, namaJebusi; ngi ya kubabubisa.

24 U nga ba kotameli otixo babo, u nga ba konzi, u ngenzi ngemisebenzi yabo; kepa wo ba cita impela, u bidlize izitombe zabo.

25 A no konza uJehova uTixo wenu; kona u ya kubusisa ukudhla kwako namanzi ako; ngi ya kususa isifo pakati kwenu.

26 A ku yi kubako opunzayo no inyunba ezweni la kini; ngi ya kwenza zi pelele izinsuku zako.

27 Ngi ya kutuma ukusabeka kwami pambi kwako, ngi ba tyayise uvalo abantu bonke o za kufika kubo; ngi ya kwenza zonke izita zako zi ku fulatele.

28 Ngi ya kutuma iminyovu pambi kwako; i ya kuxotyamaHivi, namaKenani, namaHiti pambi kwako.

29 A ngi yi kubaxotyama pambi kwako ngomnyaka o wodwa, funa izwe li be ihlane, izilo za sendhle zi kwandele.

30 Ngi ya kubaxotya pambi kwako kancinyane kancinyane, u ze wande, u dhle izwe.

31 Ngi ya kukumisela imikaulo yezwe ku suke elwandhle olubomvu ku ze ku fike elwandhle lwamaFilisti, ku suke ehlane ku ze ku fike emfuleni; ngokuba ngi ya kunikela esandhlani sako abantu ba lelo zwe; u ya kubaxotya pambi kwako.

32 U ngenzi isivumelwano nabo na notixo babo.

33 A ba nga hlali ezweni la kini, funa ba konise kimi; ngokuba uma u konza otixo babo ku ya kuba ungibi kuwe.

ISAHLUKO 24.

**W**A ti kuMosi, Yenyukela kuJehova, wena, noAroni, noNadabi, noAbihu, namalunga a ngamashumi a isikombisa a kwaIsraeli.

2 uMosi yedwa ka sondele kuJehova; a ba nga sondeli bona, nabantu a ba ngenyuki naye.

3 uMosi weza wa ba tyela abantu amazwi onke ka Jehova, nemiteto yonke; abantu bonke ba pendula ngezwi linye, ba ti, Amazwi onke, a wa tyiloyo uJehova si ya kuwenza.

4 uMosi wa loba amazwi onke ka Jehova, wa vuka kusasa, wa laka ilati pansi kwentaba, nezinsika ezi ishumi nambili, njengezizwe ezi ishumi nambili zabaIsraeli.

5 Wa tuma izinsizwa zabaka Israeli; za nikela iminikelo yokutyiswa; za m hlabela uJehova imihlatyelo yokutula yezinkabi.

6 uMosi wa tabata inxenye yegazi wa i beka ezityeni; nenxenye yegazi wa i fafaza elatini.

7 Wa tabata incwadi yesivumelwano, wa funda ezindlebeni zabantu; ba ti, Konke a ku tyiloyo uJehova, si ya kukwenza, si lalele.

8 uMosi wa tabata igazi, wa li fafaza ebantwini, wa ti, Nanti igazi lesivumelwano uJehova a senzileyo nani ngawo onke lawamazwi.

9 Kona kwenyuka uMosi, noAroni, noNadabi, noAbihu, namalunga a ngamashumi a isikombisa abaIsraeli.

10 Ba m bona uTixo ka Israeli; pansi kwezinyawo zake kwa ku kona ku nga ti imisebenzi yesafeiro elikazimulayo; ku nga ti izulu uqobo lwalo ngokucweba.

11 Ka bekanga isandhla sake ezikulwini nabaka Israeli; ba bona uTixo, ba dhla ba puza.

12 uJehova wa ti kuMosi, Yenyukela kimi entabeni, u be kona; ngi ya kukunika izibhebhe zamatye, nomteto, nemiyalo, engi i lobileyo, ukuba ba fundiswe.

13 uMosi wesuka, nenceku yake, uJoshua; uMosi yenyukela entabeni ka Tixo.

14 Wa ti emalungeni, Si lindeni lapa si ze si buyele kini; nampa oAroni noHure kini; uma umuntu e nendaba, a keze kubo.

15 uMosi wenyukela entabeni; ifu lembesa intaba.

16 Ubukosi buka Jehova ba hlala entabeni ya seSinai, ifu la yembesa izinsuku ezi isitupa; ngolwesikombisa e sefwini wa biza uMosi.

17 Ukubonakala kobukosi buka Jehova kwa ku njengomlilo ovutayo esiqongweni sentaba emehlweni abaka Israeli.

18 uMosi wa ngena efwini wenyukela entabeni; uMosi wa e sentabeni izinsuku ezi mashumi amane nobusuku obu mashumi amane.

ISAHLUKO 25.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kwabaka Israeli ukuba ba ngi letele umnikelo; a no tabata umnikelo wami kubo bonke abantu aba u nikayo ngenhliziyo.

3 Ilo umnikelo eni ya kutabata kubo; igolide, nesiliva, netusi,

4 Nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nendwangu enhle, noboya bezimbuzi,

5 Nezikumba ezibomvu zezinqama, nezikumba zamatahashi, nemiti yomshita.

6 Namafuta ekandelabra, namaka amafuta okugcoba, nawempepo eqoliweyo,

7 Namatye amashohamu, namatye okwalukwa, awefodi nawehoshene.

8 A ba ngenzele indhlu engeweke ukuba ngi hlale pakati kwabo.

9 Njengako konke engi ku bonisa kona, njengomfanekiso wetabanekele, nomfanekiso wempalila yalo, a no yenza njalo.

10 A benze ikesi ngomuti womshita; ubude balo bu be amakubiti amabili nenxenye, ububanzi balo bu be ikubiti nenxenye, nokupakama kwawo ku be ikubiti nenxenye.

11 U nameke ngegolide elihle; u na

meke ngapakati nangapandhle, u wenzele udini ngegolide inxa zonke.

12 U pekele amasongo amane egolide, u wa beke ezinyaweni ezine zawo, amasongo amabili a be kolunye uhlangoti, amabili kolunye.

13 U zenze izinti ngomuti womshita, u zi nameke ngegolide.

14 Wo faka izinti emasongweni a sezihlangotini zekesi, ukuba ikesi li twalwe ngazo.

15 Izinti a zi hlale emasongweni ekesi; zi nga suswa kulo.

16 U beke ekesini umteto engi ya kukunika wona.

17 Wenze isisibekelo ngegolide elihle; ubude baso bu be amakubiti amabili ne-nxenyane, ububanzi baso bu be ikubiti ne-nxenyane.

18 Wenze amakerubi amabili ngegolide, u wenze ngomsebenzi olunjiweyo, ekugcineni kwesisibekelo inxa zombili;

19 Wenze ikerubi elinye ekugcineni ngalapa, nelinye ikerubi ekugcineni ngalapa; nenze amakerubi ekugcineni inxa zombili, a be kunye nesisibekelo.

20 Amakerubi ma elule amapiko ngapezulu, a mboze isisibekelo ngamapiko awo, a bhokane ngobuso; ubuso bama-kerubi a bu bheke isisibekelo.

21 U beke isisibekelo pezu kompongolo; u beke empongolweni umteto engi ya kunika kona.

22 Ngi ya kuhlangauwa nawe lapo, ngi kulume nawe, ngi pezu kwesisibekelo, emkatini wamakerubi amabili a pezu kompongolo womteto, ngako konke engi ya kukuyalela kona, ukuba u ba tyele abaka Israeli.

23 U lenze netebula ngomuti womshita; ubude balo bu be amakubiti amabili, ububanzi balo bu be ikubiti, ukukupakama kwalo ku be ikubiti ne-nxenyane.

24 U li nameke ngegolide elihle, u lenze udini ngegolide inxa zonke.

25 U lenzele usiko, olu lingana nesandhla ngobubanzi inxa zonke, u lwenzele usiko udini ngegolide inxa zonke.

26 U lenzele amasongo amane ngegolide, u wa bake amasongo ezinqutyini zone ezi sezinyaweni zone zalo.

27 Amasongo ka be nga sodinini, a be izindawo zezinti zokutwala itebula.

28 U zenze izinti ngomuti womshita, u zi nameke ngegolide, ukuba itebula li twalwe ngazo.

29 Wenze amapuleti alo, namakapu

alo, namafelasko alo, namalolwe alo, oku tela; u wenze ngegolide elihle.

30 Wo beka etebuleni isinkwa soku-bhekwa pambi kwami njalonzalo.

31 Wenze ikandelabra ngegolide elihle; a kwenziwe ngomsebenzi olunjiweyo ikandelabra, nesinqe salo, noti lwalo; amagebia alo, namakaftori alo, nezimbali zalo, konke a ku be kunye nalo.

32 Izimbaxa ezi isitupa a zi pume otini; izimbaxa ezintatu zekandelabra a zi pume kolunye uhlangoti lwalo, nezimbaxa ezintatu zekandelabra a zi pume kolunye uhlangoti lwalo:

33 Amagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori nembali; namagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori nembali; a ku be njalo kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo ikandelabra.

34 A ku be kulo ikandelabra amagebia amane a faniswa nezimbali zamaalmondi, amakaftori alo nezimbali zalo.

35 A ku be ikaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo; nekaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo; nekaftori pansi kwezimbaxa ezimbili, zi be kunye nalo, kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo ikandelabra.

36 A ku be kunye nalo amakaftori alo nezimbaxa zalo; ku be kunye konke okwalo, okomsebenzi olunjiweyo wegolide elihle.

37 Wenze amakandela a isikombisa alo; amakandela alo ka bekwe, ukuba a kanyise pambi kwalo.

38 Izizenze zalo nezitya zezinsizi a zenziwe ngegolide elihle.

39 A lenziwe ngetalenta legolide elihle kanye nazo zonke lezinto.

40 Bheka, u zenze ngomfanekiso wazo owa boniswa wona entabeni.

## ISAHLUKO 26.

**W**o lenza itabanekela ngezilenge ezi ishumi; u zenze ngoshehe olupotiweyo, na ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu; zi be namakerube, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

2 Ubude bezilenge bu be amakubiti a ngamashumi amabili nashiyagalombili, ububanzi bazo bu be amakubiti amane: a zi lingane zonke izilenge.

3 Izilenge ezi isihlanu a zi hlanganiswe, nezinye izilenge ezi isihlanu a zi hlanganiswe.

4 Wenze izihibe ngokuluhlaza ecaleni

lesilenge esinye, empetweni nga sekuhlanganeni; wenze njalo ecaleni lesilenge sokugcina, ekuhlanganeni kwesibili.

5 Wenze izihibe ezi mashumi amahlanu kwesinye isilenge, wenze nezihibe ezi mashumi mahlanu ecaleni lesilenge, esi sekuhlanganeni kwesibili, ukuba izihibe zi bhokane.

6 Wenze amakelaspi amashumi amahlanu egolide, u hlanganise izilenge ngamakelaspi, ku be itabanekele linye.

7 Wenze izilenge ngoboya bezimbuzi, zi be itente lokwembesa itabanekele; u zeuze izilenge ezi ishumi nanye.

8 Ubude bezilenge bu be amakubiti a ngamashumi amatatu, ububanzi bazo bu be amakubiti; amane; izilenge ezi ishumi nanye a zi lingane.

9 Wo hlanganisa izilenge ezi isihlanu zodwa, nezilenge ezi isitupa zodwa; isilenge sesitupa u si pinde panibi kwetabanekele.

10 Wenze izihibe ezi mashumi amahlanu ecaleni lesilenge esinye esokugcina ekuhlanganeni; nezihibe ezimashumi amahlanu ecaleni lesilenge sokuhlangana kwesibili.

11 Wenze amakelaspi amashumi amahlanu etusi, u fake amakelaspi ezihibeni, u hlanganise itente, ku be kunye.

12 Inxalo eseleyo yesilenge, inxenye yesilenge esiseleyo a si lenge emva kwetabanekele.

13 Ikubiti ngalapa; nekubiti ngalapa ku loko okudlulileyo ebudeni bezilenge zetente, a li lenge ecaleni kwetabanekele inxa zombile, ukuba lembeswe.

14 Wenze isifulelo setente ngezikumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo ngapezulu ngezikumba zamatahashi.

15 Wenze amapulankwe etabanekele amayo ngomuti womshita.

16 Ubude bamapulankwe bu be amakubiti a ishumi, ububanzi bawo ikubiti nenxenye.

17 A ku ti ilelopulankwe li be nama-sumpa amabili a lungelane; yenze njalo kuwo onke amapulankwe etabanekele.

18 Wenze amapulankwe etabanekele, amapulankwe amashumi amabili ohlangotini olu nga seningizimu, olu bhoka nga seningizimu.

19 Wenze izisekelo ezi mashumi amane esiliva pansi kwamapulankwe amashumi amabili; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, ezamasumpa amabili alo, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe ezamasumpa amabili alo.

20 Na kolunye uhlangoti lwetabanekele olu nga senyakato wenze amapulankwe a ngamashumi amabili;

21 Nezisekelo zawo zesiliva ezi mashumi amane; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, izisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

22 Na sohlangotini lwetabanekele olu ngasemva, ngasentyonalanga, wenze amapulankwe a isitupa.

23 Wenze namapulankwe amabili ezingosi zetabanekele ezi ngasemva;

24 A hlanganiswe pansu, ku pelele ku ze ku fike pezulu, esongweni lokuqala; a ku be njalo kuwo omabili, a ku be izingosi zombili.

25 Ku ya kuba amapulankwe a shiyagalombili, nezisekelo zawo zesiliva, izisekelo ezi ishumi nesitupa; izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

26 Wo zenza izinti ngomuti womshita; zi be isihlanu zamapulankwe kolunye uhlangoti lwetabanekele.

27 Nezinti ezi isihlanu zamapulankwe kolunye uhlangoti lwetabanekele nezinti ezi isihlanu zamapulankwe a sohlangotini olu nga semva, ngasentyonalanga.

28 Uti olu pakati kwamapulankwe a lu finyelele inxa zombili.

29 U nameke amapulankwe ngegolide, u wenze amasongo awo ngegolide, a be izindawo zezinti; u nameke izinti ngegolide.

30 U mise itabanekele njengomfanekiso walo, owa boniswa wona entabeni.

31 Wo lenza iveli ngokuluhlaza, nokububende nokubomvu, na ngosheshe olupotiweyo; a lenziwe li be nanakerubi, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

32 U li lengise ezinsikeni ezine zomuti womshita ezi namekiweyo ngegolide; izingwegwe zazo a zi be igolide a zi me ezisekelweni ezine zesiliva.

33 U li panyeke iveli pansu kwezihibe, u ngenise kona pakati kweveli unpongolo wemiteto; iveli li ya kunahlu-kanisela indawo engeweke nendawo engewelengeweke.

34 U beke isisibekelo pezu kompongolo wemiteto endaweni engewelengeweke.

35 U beke itebula ngapandhle kweveli, ikandelabra li bhokane netebula ohlangotini lwetabanekele olu nga seningizimu, u beke itebula ohlangotini olu nga senyakato.

36 Wenze iveli lokuhonqa emnyango wetabanekele ngokuluhlaza, nokubube-

nde, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo, umsebenzi womfeketi.

37 U lenzele iveli izinsika ezi isihlanu ngomshita, u zi nameke ngegolide; izingwegwe zazo a zi be ezegolide; u zi pekele izisekelo ezi isihlanu zetusi.

ISAHLUKO 27.

**W**O lenza ilati ngomuti womshita, ubude balo bu be amakubiti a isihlanu, ububanzi balo bu be amakubiti amahlanu; izinhlangoti zone zelati a zi lingane; ukupakama kwalo ku be amakubiti amatatu.

2 Wenze izimpondo zalo ezinqutyini zone zalo; izimpondo zalo a zi be kunye nalo; u li nameke ngetusi.

3 Wenze amabodwe alo okususa umlota alo, namafosholo alo, namabesini alo, nezimfoloko zalo, namapeni alo omililo; wenze zonke izitya zalo ngetusi.

4 U lenzele ikerate ngetusi elalukiweyo; wenze amasongo amane etusi ekerateni, ngasezinqutyini zone zalo.

5 U li beke ngapansi, pansu koqimba lwelati, ikerate li fike ngapakati kwelati.

6 Wenze izinti zelati, izinti zomuti womshita, u zi nameke ngetusi.

7 Izinti zalo a zi fakwe emasongweni, izinti zi be ezimhlangotini zombili zelati, li twalwe ngazo.

8 U lenze ngamapulankwe li be umholo; u lenze njengaloko owa boniswa kona entabeni.

9 Wenze isihonqa setabanekele; ngasezingizimu, ohlangotini olu nga seningizimu, a ku be kona izilenge zesihonqa zosheshe olupotiweyo, ubude balo bu be amakubiti a ikulu ohlangotini lunye;

10 Izinsika zalo ezimashumi amabili, nezisekelo zazo a zi be itusi; izingwegwe zezinsika nemityayo yazo a ku be isiliva.

11 Na sohlangotini olu nga senyakato, ebudeni a ku be kona izilenge, ubude bazo bu be amakubiti a ikulu, nezinsika zalo ezi mashumi amabili, nezisekelo zazo ezi mashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika nemityayo yazo aku be isiliva.

12 Ububanzi besihonqa ohlangotini olu nga sentyonalanga aku be kona izilenge, ububanzi bazo bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu; izinsika zazo zi be ishumi, nezisekelo zazo zi be ishumi.

13 Ububanzi besihonqa ngasempumalanga, ohlangotini olu nga sempumalanga, bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu.

14 Izilenge kwelinye icala lesango a zi be amakubiti a ishumi nesihlanu, izinsika zazo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu.

15 Na kwelinye icala lesango izilenge a zi be amakubiti a ishumi nesihlanu; izinsika zazo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu.

16 Iveli la sesangweni lesihonqa li be amakubiti a ngamashumi amabili, elokuhlaza nokubende nokubomvu nosheshe olupotiweyo, umsebenzi ofeketisiweyo izinsika zalo zi be zine, nezisekelo zazo zi be zine.

17 Izinsika zonke zesihonqa inxa zonke a zi hlanganiswe ngemityayo yesiliva; izigwegwe zazo a zi be isiliva, nezisekelo zazo zi be itusi.

18 Ubude besihonqa a bu be amakubiti a ikulu, nobubanzi baso bu be amakubiti a ngamashumi amahlanu indawo zonke, nokupakama kwaso ku be amakubiti a isihlanu, senziwe ngosheshe olupotiweyo, izisekelo zezinsika zi be itusi.

19 Izitya zonke zetabanekele enkonzweni yonke yalo, nezikonkwane zonke zalo, nezikonkwane zesihonqa a zi be itusi.

20 Ba yale abakaIsraeli, ukuba ba lete kuwe amafuta amahle emihlwati agxotyweyo, a be awekandelabra, ukuba amakandela a vute njalonjalo.

21 Kulo itabanekele lokuhlangana ngapandhile kweveli eli ngapambi kweemiteto, a li lungiswe uAroni nabantwana bake iloku kwa hlwa ku ze ku se, pambi kuka Jehova; ku ya kuba isimiso ku ze ku be pakade ezizukulwaweni zabo kwabaka Israeli.

ISAHLUKO 28.

**S**ONDEZA kuwe uAroni, umfo wenu, nawo amadodana ake, u ba hlukanise na baka Israeli, ukuba a be umpri sti wami, ukuti, uAroni, noNadabi, noAbihu, noEleazari, noItamari, amadodana ka Aroni.

2 U menzele uAroni, umfo wenu, izivato ezingewe, ku be ezobukosi nezokuhloba.

3 U tyo kubo bonke abahlakanipile ngenhliziyo, engi ba gewalisile ngomoya wokuhlakanipa, ukuba ba zenze izi-

vato zika Aroni, ahlukaniswe, a be umpristi wami.

4 Ilezi izivato aba ya kuzenza; ikoshene, ifodi, nemeili, netuniki elifeketisiweyo, nesiqoko, nebande; ba m enzele uAroni, umfo wenu, namadodana ake izivato ezingewele, ukuba a be umpristi wami.

5 A ba tabate igolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nokampokwe omuhle.

6 Ba lenze ifodi ngegolide na ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nokampokwe omuhle epotiweyo, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

7 Li be neziziba ezibili za semahlombe zi hlangane emacaleni omabili; a li hlanganiswe.

8 Ibande elifeketisiweyo eli kulo a li be kunye nalo, njengomsebenzi walo, ukuti, elegolide nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelokampokwe omuhle.

9 Tabata amatye amabili amashohamu, u qope kuwo amagama abantwana baka Israeli :

10 Amagama a isitupa abo kwelinye itye, namagama abanye aba isitupa kwelinye itye njengokuzalwa kwabo.

11 Njengomsebenzi woqopayo ematye ni, njengokuqotywa kwendandato, u wa qope ematye ni omabili amagama abantwana baka Israeli; u wa fake ezisekelweni zegolide.

12 U beke amatye omabili ezizibeni zamahlombe zeefodi, a be amatye okukumbuzwa kwabaka Israeli; uAroni a pate amagama abo emahlombe ake omabili pambi kuka Jehova, ku be inkumbuzo.

13 Wenze izisekelo ngegolide,

14 Namaketanga amabili ngegolide elihle; u wenze a be njegezintambo, umsebenzi owalukiweyo, u fake amaketanga alukiweyo ezisekelweni.

15 Wenze ikoshene lokwahlula, a lenziwe inyanga yokwaluka, u lenze njengomsebenzi weefodi; u lenze ngegolide, na ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, na ngokampokwe omuhle opotiweyo.

16 A li be nezinhlangoti ezine ezi linganayo, li pindwe kabili; ubude balo bu be ucikicane, nobubanzi balo bu be ucikicane.

17 U li fake ezisekelweni zamatye, ku be izinhla ezine zamatye; uhla lokuqala lu be iodemi, nepitida, nebareketi;

18 Uhla lwesibili lu be inofeki, nesa-firo, neyahalomi;

19 Uhla lwesitatu lu be ileshemi, neshedu, neaklama;

20 Uhla lwesine lu be itarshishi, isohamu, neyashipe; a qiniswe ngegolide ezisekelweni.

21 Amatye ka be namagama abantwana baka Israeli, a ishumi nambili e namagama abo; njengokuqotywa kwendandato, ku be ilelo li be negama, kuzo izizwe ezi ishumi nambili.

22 Wenze kulo ikoshene amaketanga, a be njegezintambo, umsebenzi wegolide elihle alukiweyo,

23 Wenze amasongo amabili egolide kulo ikoshene, u wa fake amasongo emacaleni ekoshene inxa zombili.

24 U fake amaketanga amabili egolide alukiweyo emasongweni amabili a semacaleni ekoshene.

25 Eminye imilomo emibili amaketanga omabili alukiweyo u i fake ezisekelweni zozibili, u ku beke ezizibeni zamahlombe zeefodi, ngapambili.

26 Wenze amasongo amabili ngegolide, u wa fake emacaleni ekoshene inxa zombili, ecaleni lalo eli bheka ifodi ngapakati.

27 Wenze namanye amasongo amabili ngegolide, u wa fake ezizibeni zozibili zamahlombe zeefodi, pansi ngapambili, eduze nokuhlangana kwalo, pezu kwebande elifeketisiweyo leefodi.

28 Ikoshene a li botywe ngamasongo alo emasongweni eefodi ngentambo eluhlaza, ukuba li be pezu kwebande elifeketisiweyo leefodi, ikoshene li nga suki kulo ifodi.

29 uAroni a pate amagama abantwana baka Israeli ngekoshene lokwahlula pezu kwenhliziyo yake, e sa ngena endaweni engewele, ku be inkumbuzo pambi kuka Jehova njalonzalo.

30 U fake ekosheneni iUrimi neTumi; ba be pezu kwenhliziyo ka Aroni, e sa ngena pambi kuka Jehova; uAroni a pate ukwahlulwa kwabaka Israeli pezu kwenhliziyo yake pambi kuka Jehova njalonzalo.

31 Wenze imeili leefodi ngokuluhlaza kodwa.

32 Umlomo walo wekanda u be pakati kwalo; umlomo walo u be nonpeto inxa zonke, umsebenzi woalukayo, njengomlomo wetakera, ukuba ku nga dabuki.

33 Wenze emipetweni yalo amarimoni ngokuluhlaza na ngokububende na



ngokubomvu, emipetweni yalo inxa zonke; nezinsimbi zegolide pakati kwawo inxa zonke;

34 Ku be insimbi yegolide nerimoni, insimbi yegolide nerimoni njalo, empetweni wengubo yemeili inxa zonke.

35 uAroni a li fake e sa konza; ukucenceza kwalo ku ya kuzwakala lapo e ngena endaweni engeweke pambi kuka Jehova, na lapo e puma, ukuba a nga fi.

36 Wenze umqele wegolide elihle, u qope kuwo njengokuqotywa kwendandato, ukuti, UBUNGWELE KU JEHOVA.

37 U u fake ngentambo yoku luhlaza, u be esigqokweni, u be ngapambili esigqokweni.

38 U be sebusweni buka Aroni; uAroni a twale ukona kwezinto ezingeweke, abaka Israeli aba ya kuzahlukanisa zi be ngeweke kuyo yonke iminikelo yabo engeweke; a u be ebusweni bake njalunjalo, ukuba bamkelwe uJehova.

39 Waluke ituniki ngosheshe, wenze nesigqoko ngosheshe, wenze ibande, u li feketise.

40 Wenzele namadodana ka Aroni amatuniki, u wenzele namabande, u wenzele nezigqoko, ku be ezobukosi nezokuhloba.

41 Wambatise ngazo uAroni, umfo wenu, namadodana ake, u ba gcobe, u ba beke, u ba ngewelise, ba be abapristi bami.

42 U benzele namabulukwe elineni, ukuba kwembeswe inyama yobunqunu babo, ku qale okalweni ku fike ematunigeni.

43 uAroni namadodana ake a ba wambate, lapo be ngena etenteni lokuhlangana, noma be sondela elatini ukukonza endaweni engeweke, ba nga twali ukona, ba fe; a ku be uniteto kuye na kuwo amadodana ake emva kwake, ku ze ku be pakade.

### ISAHLUKO 29.

**I**LOKU o ya kukwenza kubo ukubahlukanisa ba be abapristi bami, ukuti, Tabata itole, nezinqama ezimbili ezi nge nacala,

2 Nesinkwa esi nga vutyelwe, nezinkwana ezi nga vutyelwe ezi telwe ngamafuta, nezinkwana ezi izingewecwana ezi nga vutyelwe ezi gcotywa ngamafuta; u zenze ngempupu ka kolweni.

3 U zi beke ku baskiti munye, u zi

lete ngaye ubaskiti, kanye netole nezinqama zombili.

4 U sondeze uAroni namadodana ake emnyango wetabanekela lokuhlangana, u ba geze ngamanzi.

5 U tabate izivato, u fake kuAroni ituniki nemeili leefodi, neefodi, nekoshene, u m bincise ibande elifeketisiweyo leefodi.

6 U fake isigqoko ekanda lake, u beka idiadema elingeweke esigqokweni.

7 U tabate amafuta okugecoba, u wa tele ekanda lake, u m gcobe.

8 U sondeze amadodana ake, u bembese amatuniki.

9 U ba bope ngamabaude, uAroni namadodana ake, u ba fake iziqoko, ba be nobupristi ngomteto opakade, u ba beke uAroni namadodana ake.

10 U sondeze itole pambi kwetabanekela lokuhlangana; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yetole.

11 U hlabe itole pambi kuka Jehova emnyango wetabanekela lokuhlangana.

12 U tabate igazi letole, u li bece ezimpondweni zelati ngomunwe wako, u tele igazi lonke pansi ngasetatini.

13 U tabate amafuta onke embilini, namanoni pezu kwesibindi, neziso zombili, namafuta a kuzo, u ku tyise elatini.

14 Kepa inyama yetoli, nesikumba salo nomswani walo, u ku tyise ngomlilo ngapandhle kwekamu; ku umnikelo wokona.

15 U tabate inqama i be nye; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yayo.

16 U i hlabe inqama, u tabate igazi layo, u fafaze ilati ngalo inxa zonke.

17 U i hlahlale inyama, u hlanze izibilini zayo, namanqina ayo, u ku beke ndawonye nezito nekanda.

18 U tyise inqama yonke elatini, ku umnikelo wokutyiswa ku Jehova; ku ipunga elimnandi, ku umnikelo womlilo kuJehova.

19 U tabate enye inqama; uAroni namadodana ake ba beke izandhla zabo enhlokweni yayo.

20 U hlabe inqama, u tabate igazi layo, u li bece esitinzini sendhlebe sokunene sika Aroni, na sezitinzini zezindhlebe zokunene zamododana ake, nasesitupeni sesandhla sokunene sabo, na sozwadini olukulu lonyawo lokunene lwabo u fafaze ilati ngalo inxa zonke.

21 U tabate igazi eli selatini, nama-futa okugeoba, u fafaze ngako uAroni, nezivato zake, namadodana ake, nezivato zamadodana ake; a be ngeweze yena, nezivato zake, namadodana ake, nezivato zamadodana ake.

22 U tabate amafuta enqama, nomsila ononileyo, namafuta embilini, namanoni pezu kwesibindi, nezinsu zombili, nama-futa a kuzo, nomlenzi wokunene; i inqama yokwahlukanisa;

23 U tabate isinkwa sinye, nesinkwana sinye esi telwa amafuta, nesinkwana sinye esi ucweewe kubaskiti wezinkwa ezi nga vutyelwe ezi pambi kuka Jehova;

24 U beke konke ezandheleni zika Aroni na sezandheleni zamadodana ake; u ku zulise ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova.

25 U buye u ku tabate ezandheleni zabo, u ku tyise elatini kanye nomnikelo wokutyiswa, ku be ipunga elimnandi pambi kuka Jehova, ku umnikelo womlilo ku Jehova.

26 U tabate isifuba senqama yokwahlukanisa uAroni, u si zulise, si be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova; ko ba isabelo sako.

27 U ngewelise isifuba somnikelo wokuzuliswa, nomlenzi womnikelo wokuzuliswa, a zuliswayo nonikelwayo, okwenqama yokumiswa, loko okuka Aroni, naloko okwamadodana ake;

28 Ko ba okuka Aroni nokwamadodana ake ngomteto opakade kwabaka Israeli; ku umnikelo; ko ba umnikelo kwabaka Israeli, kuyo imihlatyelo yemnikelo yabo yokutula, umnikelo wabo ku Jehova.

29 Izivato ezingeweze zika Aroni zo ba ezamadodana ake emva kwake, ukuba ba geotywe, bamiswe bembete zona.

30 Indodana yake e ngumpristi a i zambate izinsuku ezi isikombisa, nxa i ngena etabanekeleli lokuhlangana ukukonza endaweni engeweze.

31 U tabate inqama yokumisa, u peke inyama yayo endaweni engeweze.

32 uAroni namadodana ake a ba dhle inyama yenqama, nesinkwa esi kubaskiti, ngasemnyango wetabanekeleli lokuhlangana.

33 Ba dhle loko oku hlalwe ngako, ukuba ba miswe ba ngeweliswe; ku nga dhliwa omunye, ngokuba kungeweze.

34 Uma ku sala inyama yokumisa ku ze ku se, noma isinkwa, wo ku tyisa oku-

seleyo ngomlilo, a ku nga dhliwa, ngokuba ku ngeweze.

35 Wo kwenza njalo kuAroni na kuwo amadodana ake; njengako konke engi ku yalile ngako; a ku be izinsuku ezi isikombisa u ba misa.

36 U nikele imihla ngemihla itole, li be umnikelo wokona, ku hlalwe; u hlambulule ilati ngokulihlalela, u li geobe, u li ngewelise.

37 A ku be izinsuku ezi isikombisa u hlalela ilati, u li ngewelisa; li ya kuba ilati elingewelengeweze; lowo o li patayo ilati ka be ngeweze.

38 A ku be iloku u ya kukunikela elatini, ukuti; amaundhlu amabili a nomnyaka munye imihla ngemihla ngesikati sonke.

39 U nikele elinye iundhlu kusasa, u nikele nelinye iundhlu kusihlwa.

40 Kanye nelinye iundhlu u nikele okweshumi kweefa lempupu kakolweni i xubaniswe nokwesine kwehini lamafuta agxotyweyo nokwesine kwehini lewaini, ku be umnikelo wokupuza.

41 Elinye iundhlu u li nikele kusihlwa, u nikele nalo umnikelo wempupu, nomnikelo wokupuza njenga kusasa; ku be ipunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

42 Lo u ya kuba umnikelo wokutyiswa njalonjalo ezizukulwaneni zenu emnyango wetabanekeleli lokuhlangana pambi kuka Jehova, lapo ngi ya kuhlangana kona nani, ngi kulume kini.

43 Lapo ngi ya kuhlangana nabaka Israeli; li ya kungeweliswa ngobukosi bami.

44 Ngil ya kungewelisa itabanekeleli lokuhlangana, nelati; ngil ya kungewelisa naye uAroni namadodana ake, ba be abapristi bami.

45 Ngil ya kuhlala pakati kwabaka Israeli, ngil be uTixo wabo.

46 Ba ya kwazi ukuti, ngil nguJehova uTixo wabo, owa ba kipa ezweni la sEgipite ukuba ngil hlale pakati kwabo; ngil nguJehova uTixo wabo.

### ISAHLUKO 30.

**W**ENZE ilati lokutyisa impepo; u lenze ngomuti womshita.

2 Ubude balo bu be ikubiti, nobubanzi balo bu be ikubiti; li be nezinhlamngoti ezine ezi lingenayo; ukupakama kwalo ku be amakubiti amabili; izimpondo zalo zi be kunye nalo.

3 U li nameke ngegolide elihle, nga-

pezulu, nezinhlangothi zalo inxa zonke, nezimpondo zalo; u lenzele udini lwegolide inxa zonke.

4 U lenzele namasongo amabili egolide pansi kodini lwalo, nga sezinhlangothini zombili zalo, u wenze inxa zombili; a be izindawo zezinti zokulitwala.

5 Wenze izinti ngomshita, u zi nameke ngegolide.

6 U li beke pambi kweveli eli nga sekisini lemiteto, pambi kwesisibekelo, esi pezu kwemiteto, lapo ngi ya kuhlangana kona nawe.

7 uAroni a tyise kulo impepo eqoliweyo kusasa imihla ngemihla; lapo e lungisa amakandela a i tyise.

8 Na lapo uAroni e beka amakandela kusihlwa a i tyise, ku be impepo e pakade pambi kuka Jehova ezizukulwaneni zenu.

9 Ni nga nikeli kulo impepo e nga zekiyo, nomnikelo wokutyiswa, nomnikelo wempupo; ni nga teli kulo umnikelo wokupuza.

10 uAroni ka hlaulele izimpondo zalo kanye ngomyaka ngegazi lomnikelo wokuhlaula; kanye ngomnyaka ka li hlaulele ezizukulwaneni zenu; ku ingwelengwele kuJehova.

11 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

12 Nxa u bala abaka Israeli ngokubalwa kwabo, a ku be ilowo kubo a tele kuJehova isihlaulo ngompefumlo wake, lapo u ba balayo; ukuba ku nga bi ko isifo kubo lapo u ba balayo.

13 A ba tele loku, ukuti, lowo o dhululela kwababaliweyo a tele inxenye yeshekeli njengeshekali elingwele; ishekeli li ngamagera amane; inxenye yeshekeli i be umnikelo kuJehova.

14 Bonke aba dhululela kwababaliweyo, aba neminyaka e ngamashumi amabili nabapezulu ngokuzalwa kwabo, ka ba nikelu umnikelo ku Jehova.

15 Ocebileyo a nga teli okukulu, nompofu a nga teli okuncinyane ku nengenye yeshekeli, lapo be nikela umnikelo ku Jehova, ukuba ku hlaulelwe imipefumlo yenu.

16 U tabate imali yokuhlaula kwabaka Israeli, u i misele inkonzo yetabanekele lokuhlangana, i be isikumtubo kwabaka Israeli pambi kuka Jehova, ukuba ku hlaulelwe imipefumlo yenu.

17 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

18 Yenza ilave ngetusi, nesinqe salo ngetusi, ukuba ku gelzelwe kulo; u li

beke pakati kwetente lokuhlangana nalati, u tele amanzi kulo.

19 uAroni namadodana ake ba ya kugeza izandhla zabo nezinyawo zabo kulo;

20 Lapo be ngena etabanekeleni lokuhlangana ka ba geze ngamanzi, ukuba ba nga fi; noma be sondela elatini ukukonza, ukutyisa umnikelo womlilo ku Jehova.

21 Ba ya kugeza izandhla zabo nezinyawo zabo, ukuba ba nga fi; a ku be umteto opakade kubo; kuyena na kuyo inzalo yake ezizukulwaneni zabo.

22 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

23 Tabata amaka amahle, okuti, imori elihle, amashekeli amakulu a isihlanu, nekinamoni, inxenye yawo, ukuti, amashekeli amakulu amabili namashumi amahlanu, nekane eliminandi, amashekeli amakulu amabili namashumi amahlanu,

24 Nekida amashekeli amakulu a isihlanu, a ngangeshekali elingwele, namafuta emihlwati, ihini.

25 Wenze ngako amafuta angewele okugcoba, amafuta aqoliweyo, umsebenzi wenyanga yokuqola, a ku be amafuta angewele okugcoba.

26 U gcobe ngawo itabanekele lokuhlangana, nekese lemiteto.

27 Netebula nezitya zonke zalo, nekanandelabra nezitya zalo, nelati lempepo,

28 Nelati lomnikelo wokutyiswa nezitya zonke zalo, nelave nesinqe salo.

29 U ku ngwelise ku be ngwele-ningwele; a ku be ngwele bonke aba ku patayo.

30 U gcobe uAroni namadodana ake, u ba ngwelise, ba be abapristi bami.

31 U tyo kwabaka Israeli, u ti, Lawa o ba awami amafuta angewele okugcoba ezizukulwaneni zenu.

32 Ka nga telwa emzimbeni womuntu, ni nga wenzi a njengawo, njengokulinganiswa kwawo; a ingwele, ma be ngwele kini.

33 O wa qolayo a njengawo, no wa telayo kowa semzini, a ka nqunywe kubantu bake.

34 uJehova wa ti kuMosi, Tabata amaka, okuti, inatafi, neshekelete, nekelibena; lawamaka kanye nelebona elihle, ku lingane konke.

35 Wenze ngako impepo eqoliweyo, umsebenzi wenyanga yokuqola, e telwa usaoti, enhle, engwele.

36 U gayise enye, u i beke pambi kwe-



ezweni la sEgipite ngamandhla amakulu na ngesandhla esiqata?

12 AbasEgipite ba ya kutyo ngani ukuti, Wa ba kipa ngokubi, ukuba u ba bulale ezintabeni, u ba qede ebusweni bomhlaba? Baya olakeni lwako olu-vutayo, penduka kulobububi kubantu bako.

13 Kumbula uAbrahama, noIsaka, no-Israeli, izinceku zako, owa zifunga kubo, wa ti kubo, Ngi ya kwandisa inzalo yenu, i be ngegezinkanyezi, zezulu, ngi i nike inzalo yenu lelizwe lonke, engi kulumile ngalo, li be elabo ku ze ku be pakade.

14 uJehova wa penduka ebubini, a be ti u za kubenza kubantu bake.

15 uMosi wa penduka wehla entabeni, izibhebhe zombili zemiteto zi sesandhleni sake; kwa ku lotyiwe esibhebheni inxa zombili, kwa lotywa lapa nalapa.

16 Izibhebhe za zi umsebenzi ka Tixo, nokuloba kwa ku ukuloba kuka Tixo, ku qotyawe ezibhebheni.

17 uJoshua wezwa umsindo wabantu be memeza, wa ti kuMosi, Ku kona umsindo wokulwa ekamu.

18 Wa ti, A ku siwo umsindo wokwanelana ngokwahlula, a ku siwo umsindo wokukala ngokwahlulwa, kepa ku umsi-ndu wokuhuba, engi u zwayo.

19 Kwa ti, e sa sondela ekamu, wa bona inkonyana nokusina; ulaka luka Mosi lwa vuta, wa lahla izibhebhe ezandhleni zake, wa zapula pansi kwentaba.

20 Wa tabata inkonyana aba be yenzile, wa i tyisa ngomlilo, wa i colisa, ya za ya ba utuli, wa lu tela emanzini, wa puzisa abaka Israeli wona.

21 uMosi wa ti kuAroni, Lababantu benzeni kuwena, ukuba u behlisele isono esikulu kangaka.

22 uAroni wa ti, A lu nga vuti ulaka lwenkosi yami, u ya bazi abantu ukuti, ba vama okubi.

23 Ba ti kimi, Senzele otixo, aba ya kuhamba pambi kwetu; ngokuba uMosi lo, umuntu owa si kipa ezweni la sEgipite, a sazi ukuba wehlelwe ini.

24 Nga ti kubo, O nalo igolide ka li kumule. Ba ngi nika. Nga li ponsa emlilweni, kwa puma lenkonyana.

25 uMosi wa bona abantu, ukuti, ba ya zihambela, uAroni wa e ba yekile, ba zihambele, ba hlazeke pakati kwezita zabo,

26 Kona uMosi wesuka, wema esangweni lekamu, wa ti, Omela uJehova,

a keze kini. Abaka Levi bonke ba butana kuye.

27 Wa ti kubo, U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, A ku be ilowo kini a bince inkemba yake etangeni lake, a hambe ngalapa nangalapa, amasango ngamasango a sekamu, a bulale umfo wabo, nesihlobo sake, nowakelene naye.

28 Abaka Levi benza njengokutyo ku-ka Mosi; kwa bulawa ngalolosuku abantu ku nga ti aba izinkulungwane ezintatu.

29 uMosi wa ti, zingeweliseni namhla kuJehova, ukuti, ilowo a zahlukanisele ngendodana yake, na ngomfo wabo, ukuba namkeliswe isibusiso namhla.

30 Kwa ti ngangomso uMosi wa ti kubantu, Nonile isono esikulu; se ngi za kwenyuka, ngi ye kuJehova; mhlambe ngi ya kuhlaulela isono senu.

31 uMosi wa buyela kuJehova, wa ti, Au, lababantu bonile isono esikulu, ba zenzele otixo ngegolide.

32 Kepa kaloku, uma u tetelela ukona kwabo; kodwa uma u nga ba teteleli, a ku ngi kipe encwadini yako, o i lobileyo.

33 uJehova wa ti kuMosi, Owonileyo kimi, ngi ya kumkupa encwadini yami.

34 A ku suke, u hambe nabantu bami, u ye ku leyondawo enga kuluna ngayo kuwe; bheka, ingelosi yami i ya kuhamba pambi kwako; kepa msukwana ngi hambela ngi ya kuhambela kubo ngesono sabo.

35 uJehova wa tyaya abantu, ngokuba benza inkonyana, a i yenzayo uAroni.

### ISAHLUKO 33.

**UJEHOVA** wa ti kuMosi, Hamba, wenyuke, wena nabantu o ba kipile ezweni la sEgipite, u ye ezweni enga funga ngalo kuAbrahama, na kuIsaka, na kuJakobe, nga ti, Ngi ya kulinika inzalo yako.

2 Ngi ya kutuma ingelosi pambi kwako, ngi xotywe amaKenani, namaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi;

3 U ye ezweni eli vama ubisi nezinyosi; ngokuba a ngi yi kwenyuka nani, ngokuba ni ngabantu a bantamo i lukuni, funa ngi ni qede endheleni.

4 Abantu, se be zwile lelezwi, ba kala, a kwa bi ko muntu o hlobayo.

5 uJehova wa ti kuMosi, Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ni ngabantu abantamo i lukuni; uma ngi ngenyukela kini

ngokupazima kweso, ngi nga ni qeda; ngako manje kumulani izivunulo zenu, ukuze ngazi ukuba ngi ya kwenzani kini.

6 Abaka Israeli ba zambula izivunulo zabo nga sentabeni ya seHorebe.

7 uMosi wa tabata itabanekele, wa li misa ngapandhle kwekamu, li kude nalo ikamu, wa li qamba iTabanekele lo-kuhlangana. Kwa ti bonke aba m fuyanayo uJehova ba puma ba ya kulo itabanekele ela li ngapandhle kwekamu.

8 Kwa ti, uMosi e sa puma ukuya etabanekele, abantu bonke be suka bema, kwa ba ilowo emnyango wetente lake, ba m bheka uMosi wa za wa ngena etabanekele.

9 Kwa ti, uMosi e se ngenile etabanekele, kwehla insika yefu, yema ngasemnyango wetabanekele, uJehova wa kuluma noMosi.

10 Abantu bonke ba bona insika yefu i mi nga semnyango wetabanekele; abantu bonke ba kuleka kwa ba ilowo nga semnyango wetente lake.

11 uJehova wa kuluma kuMosi, be bhekana, njengomuntu e kuluma esihlotyeni sake; wa buyela ekamu; kepa inceku yake, uJoshua, indodana ka Nuni, insizwa, ka sukanga etabanekele.

12 uMosi wa ti kuJehova, Bheka, wena u ti kimi, Kupuka na lababantu, kodwa a u ngazisanga yena o ya kumtuma nami. Kepa u tyilo u ti, Ngi ya kwazi wena ngegama, u fumene umusa emehlweni ami.

13 Ngakoke uma ngi fumene umusa emehlweni ako impela, a ku ngi tyele manje indhlela yako, ngi kwazi, ukuba ngi fumane umusa emehlweni ako; ngi bone ukuti, lesisizwe si ngabantu bako.

14 Wa ti, Ngi ya kuhamba nawe, mina uqobo, ngi ku pumuze.

15 Wa ti kuye, Uma u nga hambani, wena uqobo, u nga si mukisi lapa.

16 Ku ya kwaziwa ngani po ukuti, mina nabantu bako si fumene umusa emehlweni ako na? a si yi kwazi ini ngokuhamba kwako nati? na ngokuba mina nabantu bako si ya kwahlukaniswa nabo bonke abantu aba sebusweni bomhlaba wonke.

17 uJehova wa ti kuMosi, Ngi ya kwenza na loku o ku tyiloyo; ngokuba u fumene umusa emehlweni ami, ngi ya kwazi ngegama.

18 Wa ti, A ku ngi bonise ubukosi bako.

19 Wa ti, Ngi ya kudhlulisa pambi

kwako ubuhle bonke bami, ngi mezele igama lika Jehova pambi kwako; ngi ya kumhaukela yena engi yi kumhaukela, ngi be nomusa kuyena engi ya kuba nomusa kuye.

20 Wa ti, U nge bone ubuso bami, ngokuba a ku ko muntu o nga ngi bona, a buye a pile..

21 uJehova wa ti, Bheka, i kona indawo kimi; u ya kuma edwaleni.

22 Ku ya kuti, bu sa dhlula ubukosi bami, ngi ya kukufaka emfanteneni wedwala, ngi ku mboze ngesandhla sami, ngi ze ngi dhlule.

23 Ngi ya kubuya, ngi suse isandhla sami, u bone umhlana wami, kepa ubuso bami bu nge bonwe.

### ISAHLUKO 34.

**U**JEHOVA wa ti kuMosi, Zibazele izibhebhe ezibili zamaty e njengezokuqala; ngi ya kuloba ezibhebheni amazwi a e kona ezibhebheni zokuqala owa zapulayo.

2 A u be se u lungile kusasa, u kupuke kusasa, u ye entabeni ya seSinai, u me kona kimi entabeni pezulu.

3 Ku nga kupuki muntu nawe, a ku nga bouwa muntu entabeni yonke; a ku nga dhli nezimvu nezinkomo ku leyontaba.

4 Wa baza izibhebhe ezibili zamaty e njengezokuqala; uMosi wesuka kusasa, wenyukela entabeni ya seSinai, njengokuty o kuka Jehova kuye, wa pata izibhebhe ezibili zamaty e.

5 uJehova wehla ngefu, we ma kona naye, wa memezela igama lika Jehova.

6 uJehova wa dhlula pambi kwake, wa memeza, wa ti, uJehova, uJehova, uTixo o haukelayo, o nomusa, o bhekezelayo, o vama ubunene neqiniso,

7 O geina aba izinkulungwane ngobunene, o tetelela ububi, nokweduka, nokona, kodwa a ka yi kutetelela nempela aba lahlwa icala, e hambela kubantwana ngobubi ba oyise, na kubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesitatu, nesesine.

8 uMosi wa tyetya wa kotamela panshi, wa kuleka.

9 Wa ti, Nkosi, uma se ngi fumene umusa emehlweni ako iNkosi ma i hambeni nati; ngokuba be ngabantu abantamo i lukuni; u si tetelele ububi betu nokona kwetu, u si tole si be abantu bako.

10 Wa ti, Bheka, ngi yenza isivume-

Iwano; ngi ya kwenza izimangaliso pambi kwabantu bonke bako, ezi nga bonanga zenziwa emhlabeni wonke, na kwa sinye isizwe; abantu bonke, aba kona pakati kwabo, ba ya kubona umsebenzi ka Jehova; ngokuba ku yesabeka loko engi ya kukwenza kuwe.

11 Geina loku engi ku yala ngako namhla; bheka, ngi ya xotya pambi kwako amaAmori, namaKenani, namaHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi.

12 Zigcine, u ngenzi isivumelwano nabantu ba sezweni o ya kulo, funa ku be isitiyo kuwe;

13 A no bidliza amalati abo, napule izitombe zabo, ni gaule oAshera babo;

14 Ngokuba u nga konzi omunye utixo; ngokuba uJehova—igama lake li nguMona—u nguTixo o nomona;

15 Funa wenze isivumelwano nabantu ba sezweni; ba ye ba pinge notixo babo, ba hlabele otixo babo, u menywe, u dhle umhlatyelo wake.

16 U tabatele amadodana ako amadodakazi abo, amadodakazi abo a ye a pinge notixo babo, enze ukuba amadodana ako a ye a pinge notixo babo.

17 U nga zenzeli otixo abapekiweyo.

18 Geina umhlangano wesinkwa esi nga vutylwe. U dhle isinkwa esi nga vutylwe izinsuku ezi isikombisa, nje ngokutyo kwami kuwe, ngesikati esimi siweyo senyanga uAbibi; ngokuba ngenyanga uAbibi wa puma Egipite.

19 Konke oku ngamazibulo ku ngokwami, izinkomo zonke zako ezamaduna, amazibulo ezinkomo nawezimvu.

20 Kepa izibulo lembongolo wo lenana ngeundhlu; uma u nga lenani, wo lapula intamo u wenane amazibulo onke kuwo amadodana ako. A ku nga bi ke o bonakala pambi kwami e nga pite luto.

21 Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, kepa ngosuku lwesikombisa wo pumula; u pumule ngesikati sokulima nesokuvuna.

22 U gcine umhlangano wamasonto, wolibo lokolweni ovuniweyo, nomhlangano wokubuta ekupeleni, komnyaka.

23 Katatu ngomnyaka abantwana bonke benu besilisa a ba bonakale pambi kweNkosi uJehova, uTixo ka Israeli.

24 Ngokuba ngi ya kukipa izizwe parabi kwako, ngandise izwe lako; izwe lako li nga fiswa muntu, lapo wenyuka ukuya kubonakala pambi kuka Jehova, uTixo wako, katatu ngomyaka.

25 U nga nikeli igazi lomhlatyelo wami kanye nesinkwa esi vutylweyo; ku nga sali ku ze ku se umhlatyelo womhlangano wepasika.

26 Okokuqala kolibo lwezwe lako wo ku leta endhlini ka Jehova, uTixo wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini luka nina.

27 uJehova wa ti kuMosi, Loba lawamazwi, ngokuba ngalawamazwi ngenzile isivumelwano nawe nabakwa-Israeli.

28 Wa e kona noJehova izinsuku ezimashumi amane nobusuku obu mashumi amane; ka dhlanga ukudhla, ka puza nga amanzi; wa loba esibhebheni amazwi esivumelwano, imiyalo e ishumi.

29 Kwa ti uMosi e sehla entabeni ya seSinai, izibhebhe zombili zomteto zi sandhleni sika Mosi, e sehla entabeni, uMosi wa e ngazi ukuti, ubuso bake ba bu kazimula e sa kuluma naye.

30 uAroni nabo bonke abaka Israeli ba bona uMosi, bheka, ubuso bake ba kazimula, besaba ukusondela kuye.

31 uMosi wa ba biza; uAroni nezikulu zonke zesizwe za buyela kuye; uMosi wa kuluma kubo.

32 Ngasemva kwa buya kwa sondela abaka Israeli bonke, wa ba yalela konke uJehova a be kutyilo kuye entabeni ya seSinai.

33 uMosi wa qeda ukukuluma nabo; wa mboza ubuso bake ngeveli.

34 Kepa uMosi, e sa ngena pambi kuka Jehova ukukuluma naye, wa susa iveli, wa za wa puma. Wa puma wa ba tyela abaka Israeli loko a ku yalweyo.

35 Abaka Israeli ba bona ubuso buka Mosi, ukuti, ubuso buka Mosi ba kazimula; uMosi wa mboza ubuso bake ngeveli wa za wa ngena ukukuluma naye.

### ISAHLUKO 35.

**U**MOSI wa buta isizwe sonke sakwa-Israeli, wa ti kubo, Ilawa amazwi, a wa tyoyo uJehova ukuba ni wa gcine.

2 Ko setyenzwa izinsuku ezi isitupa, kepa olwesikombisa a lu be usuku olungewele kini, isabata lokupumula ku Jehova; lowo o sebenza umsebenzi ngalo a ka fe.

3 Ni nga basi umlilo ezindhlini zenu ngosuku lwesabata.

4 uMosi wa tyo kuso sonke isizwe sa kwaIsraeli, wa ti, Ileli izwi a li tyoyo uJehova, wa ti.

5 Tabatani kini umnikelo ka Jehova;

o nenhliziyo e tandayo a u lete umnikelo ka Jehova; igolide, nesiliva, netusi,

6 Nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nokampokwe omuhle noboya bezimbuzi,

7 Nezikumba ezibomvu zeziqamba, nezikumba zamatahashi, nomuti womshita,

8 Namafuta ekandelabra, namaka amafuta okugeoba, nawempepo eqoliweyo,

9 Namatye amashohamu, namatye okwalukwa, awefodi, nawehoshene.

10 Bonke abahlakanipileyo a beze, ba kwenze konke a ku tyiloyo uJehova;

11 Itabanekele, neterite lalo, nesifulelo salo, namakelaspi alo, namapulankwe alo, nezinti zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo,

12 Nekesi, nezinti zalo, nesisibekelo, neveli lokuhonqa,

13 Netebula nezinti zalo, nezitya zonke zalo, nesinkwa sokubhekwa,

14 Nekandelabra, nezitya zalo, namakandela alo, namafuta ekandelabra.

15 Nelati lempepo, nezinti zalo, namafuta okugeoba, nempepo eqoliweyo, neveli lokuhonqa emnyango, emnyango wetabanekele,

16 Ilati lomnikelo wokutyiswa, nekerate lalo letusi, nezinti zonke zalo, nezitya zalo, nelave nesinqe salo,

17 Nezilenge zesihonqa, nezinsika zaso, nezisekelo zazo, neveli lokuhonqa emnyango wesihonqa,

18 Nezikonkwane zetabanekele, nezikonkwane zesihonqa, nezintambo zazo,

19 Nezivato zokukonza, ukukonza endaweni engewele, izivato ezingewele zika Aroni, umpristi, nezivato zamadana ake, a be abapristi.

20 Kwa puma ebusweni buka Mosi isizwe sonke sakwa Israeli.

21 Besuka beza bonke abavuswa izinhliziyi zabo, nabo bonke aba qutywa umoya, ba leta umnikelo ka Jehova, owomsebenzi wetabanekele lokuhlanguka, nowokukonza konke, nowezivato ezingewele.

22 Kwa fika abesilisa kanye nabesifazana, bonke aba qutywa izinhliziyi zabo, ba leta amasongo, neziviliba, nezindandato, neziinga, izinto zonke zegolide; nabo bonke aba nikela umnikelo wegolide ku Jehova.

23 Nabo bonke okwa ku funyanwa kubo okuluhlaza, nokububende, noku-

bomvu, nosheshe, noboya bezimbuzi, nezikumba ezibomvu zeziqamba, nezikumba zamatahashi, ba ku leta.

24 Bonke aba nikela umnikelo wesiliva, nowetusi ba leta umnikelo ka Jehova, nabo bonke okwa ku funyanwa kubo umuti womshita womsebenzi wenkonzo, ba u leta.

25 Nabesifazana bonke abanhliziyo i hlakanipile ba pota ngezandhla zabo, ba leta okupotiweyo, okuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nosheshe.

26 Nabesifazana bonke abanhliziyo i ba vusela ukuhlakanipa, ba pota uboya bezimbuzi.

27 Nezikulu za leta amatye amashohamu, namatye okwalukwa, aweefodi, nawekoshene;

28 Namaka, namafuta; awekandelabra, nawamafuta okugeoba, nawempepo eqoliweyo.

29 Abaka Israeli ba leta umnikelo ku Jehova ngesihle; bonke abesilisa nabesifazana abanhliziyo i ba vusile ukuba ba letele imisebenzi yonke, a be i yalile uJehova ngaye uMosi, ukuba yenziwe.

30 uMosi wa ti kwabaka Israeli, Bhekani, uJehova u bizile ngegama uBezalele, indodana ka Uri, indodana ka Huri, wesizwe sika Juda;

31 U m gewalisile ngomoya ka Tixo, ngokuhlakanipa na ngokuqonda, na ngokwazi, na ngemisebenzi yonke,

32 Ukuba a qambe imisebenzi emihle, a sebenze ngegolide, na ngesiliva, na ngetusi,

33 Na ngokuqopa amatye okwalukwa, na ngokubaza imiti, ukuba a sebenze imisebenzi yonke yokulumba.

34 U bekile enhliziyweni yake, ukuba a fundise, yena noAholiabi, indodana ka Ahisamaka, wesizwe sika Dani.

35 Laba u ba gewalisile ngokuhlakanipa kwenhliziyo, ukuba ba sebenze imisebenzi yonke, eyomqopi, neyenyanga yokwaluka, neyomfeketisi ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu, na ngosheshe, neyomaluki, eyabo abasebenza umsebenzi naba qamba imisebenzi yokulumba.

#### ISAHLUKO 36.

**U**BEZALELE noAholiabi ka ba sebenze, nabo bonke abanhliziyo i hlakanipile, uJehova a ba nikile ukuhlakanipa nokuqonda, ukuba ba kwazi ukwenza imisebenzi yonke yenkonzo yendawo



engewele, njengako konke a ku tyiloyo uJehova.

2 uMosi wa biza uBezalele noAlihabi, nabo bonke abanhliziyo i hlakanipile, uJehova a be ku bekile ukuhlakanipa ezinhliziyweni zabo; bonke aba qutywa izinhliziyo zabo ukuza emsebenzini, ukuba wa wenze.

3 Ba tabata kuMosi umnikelo wonke, abaka Israeli aba be u letele umsebenzi wenkonzo yendawo engewele, ukuba wenziwe. Ba buya ba leta kuye iminikelo ngesihle kusasa imihla ngemihla.

4 Kweza abahlakanipileyo bonke, aba be sebenza umsebenzi wonke wendawo engewele, be puma bonke emisebenzini yabo aba i sebenzayo,

5 Ba tyo kuMosi, ba ti, Abantu ba sa leta okuningi kakulu ku nokwanela inkonzo yomsebenzi, a u yalayo uJehova, ukuba wenziwe.

6 uMosi wa yala ukuba ku menzezwe ekamu, ku tiwe, A ku nga setyenzwa owesilisa nowesifazana omunye umsebenzi womnikelo wendawo engewele. Kona abantu ba peza ukuleta.

7 Aka se ku setyenzwe kwa kwanele ukuba kwenziwe umsebenzi wonke, kwa buya kwa sala.

8 Bonke abanhliziyo i hlakanipile aba sebenza umsebenzi, benza itabanekele ngezilenge ezi ishumi; ba zenza ngosheshe, na ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu, zi namakerubasi, umsebenzi wenyanga yokwaluka.

9 Ubude besilenge ba bu amakubiti amashumi amabili na shiyagalombili, nobubanzi besilenge ba bu amakubiti amane; izilenge zonke za lingana.

10 Wa hlanganisa izilenge ezi isihlanu, wa hlanganisa nezinye izilenge ezi isihlanu.

11 Wenza izihibe ngokuluhlaza ecaleni lesilenge esinye, empetweni nga sekuhlanganeni, wenza njalo ecaleni lesilenge sokugcina, ekuhlanganeni kwesibili.

12 Wenza izihibe ezi mashumi amahlanu kwesinye isilenge; wenza izihibe ezi mashumi amahlanu ecaleni lesilenge esi sekuhlanganeni kwesibili; izihibe za bhakana.

13 Wenza amakelaspi egolide, wa hlanganisa izilenge ngamakelaspi, kwa ba itabanekele linye.

14 Wenza izilenge ngoboya bezimbuluzi, zi be itente lokwembesa itabanekele; wa zenza izilenge ezi ishumi nanye.

15 Ubude besilenge ba bu ngamakubiti amashumi amatatu; ububanzi besilenge ba bu ngamakubiti amane; izilenge ezi ishumi nanye za lingana.

16 Wa hlanganisa izilenge ezi isihlanu zodwa, nezilenge ezi isitupa zodwa.

17 Wenza izihibe ezi mashumi amahlanu ecaleni lesilenge sokugcina ekuhlanganeni; wenza nezihibe ezi mashumi amahlanu ecaleni lesilenge soku hlangana kwesibili.

18 Wenza amakelaspi amashumi amahlanu etusi, ukuba itente li hlanganiswe li be linye.

19 Wenza isifulelo setente ngezikumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo pezulu ngezikumba zamatahashi.

20 Wenza amapulankwe amiyo etabanekela ngomuti womshita.

21 Ubude bamapulankwe ba bu amakubiti a ishumi, ububanzi bamapulankwe ba bu ikubiti nenxenye.

22 Ilepulankwe la li namasumpa amabili a lungeleneyo; wenza njalo kuwo onke ampulankwe etabanekela.

23 Wenza amapulankwe etabanekela; amapulankwe amashumi amabili ohlangotini olu nga seningizimu, olu bhaka nga seningizimu.

24 Wenza izisekelo ezimashumi amane zesiliva pansi kwamapulankwe amashumi amabili, izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, ezamasumpa amabili alo, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe, ezamasumpa amabili alo.

25 Na kolunye uhlangoti lwetabanekela olu nga senyakato wenza amapulankwe amashumi amabili,

26 Nezisekelo zawo zesiliva, izisekelo ezibili pansi kwepulankwe, nezisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

27 Na sohlangotini lwetabanekela olu ngasemva, ngasentiyonalanga wenza amapulankwe a isitupa.

28 Wenza amapulankwe amabili ezingosi zetabanekela ezi nga semva.

29 A hlanganiswa pansi, kwa pelela kwa za kwa fika pezulu, esongweni lo kuqala; wenza njalo kuwo amabili, ezingosini zombili.

30 Kwa ku amapulankwe a shiyagalombili, nezisekelo zesiliva, izisekelo ezi ishumi nesitupa, izisekelo ezibili pansi kwepulankwe.

31 Wenza izinti ngomuti womshita, za ba isihlanu zamapulankwe zolunye uhlangoti lwetabanekela;

32 Nezinti ezi isihlanu zamapulankwe

kolunye uhlangoti lwetabanekele; nezi-nti ezi isihlanu zamapulankwe a sohlangotini olu nga semva ngasentyonanganga.

33 Wenza uti olu pakati lwa dhlula pakati kwamapulankwe lwa finyelela inxa zombili.

34 Wa nameka amapulankwe ngegolide, wenza amasongo awo ngegolide, a be izindawo zezinti; wa nameka izinti ngegolide.

35 Wenza iveli ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu, na ngosheshe olupotiweyo; wa lenza li be namakerubi, umsebenzi wenyanga yokwauluka.

36 Wa lenzela izinsika ezine ngomuti womshita; wa zi nameka ngegolide; izingwegwe zazo za zi igolide; wa zi pekela izisekelo ezine zesiliva.

37 Wenza iveli lokuhonqa emnyango wetabanekele ngokuluhlaza na ngokububende, na ngokubomvu, na ngosheshe olupotiweyo, umsebenzi womfeketisi.

38 Nezinsika zalo ezi isihlanu, nezingwegwe zazo; wa nameka izinhloko zazo, nemityayo yazo, ngegolide; izisekelo yazo ezi isihlanu za zi itusi.

### ISAHLUKO 37.

**U**BEZALELE wenza ikese ngomuti womshita; ubude balo ba bu amakubiti amabili nenxenyeye, nobubanzi balo ba bu ikubiti nenxenyeye, nokupakama kwalo ikubiti nenxenyeye.

2 Wa li nameka ngegolide elihle ngapakati na ngapandhle, wa lenzela udini lwegolide inxa zonke.

3 Wa li pekela amasongo amane egolide, a sezinyaweni zone zalo, amasongo amabili kolunye uhlangoti, namasongo amabili kolunye uhlangoti.

4 Wenza izinti ngomuti womshita, wa zi nameka ngegolide.

5 Wa faka izinti emasongweni a sezinhlangotini zekesi, ukuba ikese li twalwe ngazo.

6 Wenza isisibekelo ngegolide elihle; ubude baso ba bu amakubiti amabili nenxenyeye, nobubanzi baso ba bu ikubiti nenxenyeye.

7 Wenza amakerubi amabili ngegolide, wa wenza ngomsebenzi olunjiweyo, ekugcineni kwesisibekelo inxa zombili;

8 Elinye ikerubi ekugcineni ngalapa, nelinye ikerubi ekugcineni ngalapa; wenza amakerubi a ba kunye nesisibekelo, ekugcineni kwaso, inxa zombili.

9 Amakerubi elulela amapiko awo ngapezulu, a mboza isisibekelo ngamapiko awo, a bhkana ngobuso; ubuso bamakerubi ba bheka isisibekelo.

10 Wenza itebula ngomuti womshita, ubude balo ba bu amakubiti amabili, nobubanzi balo ba bu ikubiti, nokupakama kwalo ikubiti nenxenyeye.

11 Wa li nameka ngegolide; wa lenzela udini lwegolide inxa zonke.

12 Wa lenzela usiko, olwa lingana nesandhla ngobubanzi balo, inxa zonke; wa lwenzela usiko udini ngegolide inxa zonke.

13 Wa li pekela amasongo amane egolide, wa beka amasongo ezinqutyini zone zalo, ezi sezinyaweni zone zalo.

14 Amasongo a e nga sodinini, ezindawo zezinti zokutwala itebula.

15 Wenza izinti ngomuti womshita, wa zi nameka ngegolide, ukuba itebula li twalwe ngazo.

16 Nezitya eza zi kona etebuleni, amapuleto alo, namakapu alo, namabolwe, namafelasko alo okutela, wa zenza ngegolide elihle.

17 Wenza ikandelabra ngegolide elihle; wa lenza ikandelabra, ngomsebenzi olunjiweyo nesinqe salo, noti lwalo; amagebia alo, namakaftori alo, nezimbali zalo, konke kwa ku kunye nalo.

18 Nezimbaxa ezi isitupa ezipuma ezinhlangotini zalo; izimbaxa ezintatu zekandelabra kolunye uhlangoti lwalo, nezimbaxa ezintatu zekandelabra kolunye uhlangoti lwalo;

19 Amagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori, nembali; namagebia amatatu a faniswa nezimbali zamaalmondi kwenye imbaxa, ikaftori, nembali; kwa ku njalo kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo ikandelabra.

20 Kwa ku kona kulo ikandelabra amagebia amane a faniswa nezimbali zamaalmondi, amakaftori alo, nezimbalo zalo;

21 Ikaftori pansu kwezimbaxa ezimbili zi kunye nalo; nekaftori pansu kwezimbaxa ezimbili zi kunye nalo; nekaftori pansu kwezimbaxa ezimbili zi kunye nalo, kuzo izimbaxa zositupa ezi puma kulo.

22 Amakaftori alo, nezimbaxa zalo, kwa ku kunye nalo; kwa ku kunye konke okwalo, okomsebenzi olunjiweyo wegolide elihle.

23 Wenza amakandela a isikombisa

alo, nezizenzi zalo, nezitya zalo zezinsizi, ngegolide elihle.

24 Wa lenza ngetalenta legolide elihle, nezinto zonke zalo.

25 Wenza nelati lempepo ngomuti womshita; ubude balo ba bu ikubiti, nobubanzi balo ba bu ikubiti; la li nezinhlangothi ezine ezilingenayo; ukupakama kwalo kwa ku amakubiti amabili; izimpondo zalo za zi kunye nalo.

26 Wa li nameka ngegolide elihle, ngapezulu na sezihlangotini zalo inxa zonke, nezimpondo zalo; wa lenzela udini lwegolide inxa zonke.

27 Wa lenzela amasongo amabili egolide pansi kodini lwalo, ezihlangotini zombili zalo, inxa zombili, a be izindawo zezinti zokulitwala.

28 Wa zenza izinti ngomuti womshita, wa zi nameka ngegolide.

29 Wenza namafuta a ngeweke okugcoba, nempepo enhle ngamaka, umsebenzi womqoli.

ISAHLUKO 38.

**W**ENZA nelati lomnikelo wokutyiswa ngomuti womshita; ubude balo ba bu amakubiti amahlanu, nobubanzi balo ba bu amakubiti amahlanu; la li nezinhlangothi ezine ezilingenayo; ukupakama kwalo kwa ku amakubiti amatatu.

2 Wenza nezimpondo zalo ezinqutyini zone zalo; izimpondo zalo za zi kunye nalo; wa li nameka ngetusi.

3 Wenza nezitya zonke zelati, amabodwe alo, namafosholo alo, namabesini alo, nezimfoloko zalo, namapeni alo omililo; wa zenza zonke izitya zalo ngetusi.

4 Walenzela ilati ikerate ngetusi elalukiweyo; ngapansi, pansi koqimba lwalo, la fika pakati kwalo.

5 We peka amasongo amane a sezinqutyini zone zekerate letusi, a be izindawo zezinti.

6 Wa zenza izinti ngomuti womshita, wa zi nameka ngetusi.

7 Wa faka izinti emasongweni, ezihlangotini zelati, ukuba li twalwe ngazo; wa lenza la ba umholo ngamapulankwe.

8 Wenza nelave ngetusi, nesinqe salo ngetusi, lezibuko zebesifazana abakonzayo, aba konza emnyango wetabanekele lokuhlangana.

9 Wenza nesihonqa; ngaseningizimu, ohlangotini olu nga seningizimu izilenge

zesihonqa za zi usheshe olupotiweyo, amakubiti a ikulu.

10 Izinsika zazo za zi amashumi amabili, nezisekelo zetusi za zi mashumi amabili; izingwegwe zezinsika, nemityayo yazo kwa ku isiliva;

11 Na sohlangotini olu nga senyakato, amakubiti a ikulu; izinsika zazo za zi mashumi amabili, nezisekelo zazo zetusi za zi mashumi amabili; izingwegwe zezinsika, nemityayo yazo kwa ku isiliva.

12 Na sohlangotini olu nga sentyonalanga izilenge za zi amakubiti amashumi amahlanu; izinsika zazo za zi ishumi; nezisekelo zazo za zi ishumi; izingwegwe zezinsika nemityayo yazo kwa ku isiliva;

13 Na nga sempumalanga, ohlangotini olu nga sempumalanga amakubiti amashumi amahlanu.

14 Izilenge kwelinye icala lesango za zi amakubiti a ishumi nesihlanu; izinsika zazo za zintatu, nezisekelo zazo za zintatu.

15 Na kwelinye icala lesango lesihonqa, ngalapa na ngalapa, izilenge za zi amakubiti a ishumi nesihlanu; izinsika zazo za zintatu, nezisekelo zazo za zintatu.

16 Izilenge zonke zesihonqa inxa zonke za zi usheshe olupotiweyo.

17 Izisekelo zezinsika za zi itusi; izingwegwe zezinsika, nemityayo yazo kwa ku isiliva; izihloko zazo za namekwa ngesiliva; izinsika zonke zesihonqa za hlanganiswa ngemityayo yesiliva.

18 Iveli la sesangweni sesihonqa la li feketisiwe, elokuluhlaza nokububende, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo; ubude balo ba bu amakubiti amashumi amabili, ukupakama kwalo ngobubanzi kwa ku amakubiti amahlanu, kwa lingana nezilenge zesihonqa.

19 Izinsika zawo za zine, nezisekelo zawo za zine zetusi; izingwegwe zawo za zi isiliva; nokunamekwa kwezihloko zazo, nemityayo yazo kwa ku isiliva.

20 Izikonkwane zonke zetabanekele nezeshonqa inxa zonke za zi itusi.

21 Naku okubaliweyo kwetabanekele, kwetabanekele lomteto, oku baliweyo njengokutyeka kuka Mosi, ngenkonzo yabaLevi, ngesandhla sika Itamari, indodana ka Aroni, umpristi.

22 uBezalele, indodana ka Uri, indodana ka Huri, wesizwe sika Juda, wa kwenza konke uJehova a ku tyoyo ku-Mosi.

23 Kwa ku kanye naye uAholiabi, indodana ka Ahisamaka, wesizwe sika Dani, umqopi, nenyanga yok waluka, nomfeketisi, ngokuluhlaza, na ngokububende; na ngokubomvu, na ngosheshe.

24 Igolide lonke okwa setyenzwa ngalo umsebenzi emsebenzini wonke wendawo engewele, igolide lomnikelo, la li ngamatalenta amashumi amabili na shiyagalolunye, namashekeli amakulu a isikombisa namashumi amatatu, a ngangalo ishekeli lendawo engewele.

25 Nesiliva lababaliweyo besizwe la li ngamatalenta a ikulu, namashekeli a inkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu, a ngangeshékeli lendawo engewele;

26 Kwa ba ilowo wa nikela ibeka, eli inxenye yeshekeli, eli ngangeshékeli lendawo engewele, kubo bonke abadhlulela kwababaliweyo, abaminyaka amashumi amabili na pezulu, kubantu aba izinkulungwane ezi makulu a isitupa nezinkulungwane ezintatu namakulu amahlanu namashumi amahlanu.

27 Ngamatalenta a ikulu esiliva kwa pekwa izisekelo zendawo engewele, nezisekelo zaveli; izisekelo ezi ikulu ngamatalenta a ikulu, italenta kuso isisekelo.

28 Na ngawo amashekeli a inkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu wenza izingwegwe zezinsika, wa namaeka izihloko zazo, wa zi hlanganisa ngemityayo.

29 Itusi lomnikelo la li ngamatalenta amashumi a isikombisa, namashekeli a izinkulungwane ezimbili namakulu amane.

30 Wenza ngalo izisekelo zomnyango wetabanekele lokuhlangana, nelati letusi, nekerate lalo letusi, nezitya zonke zelati,

31 Nezisekelo zesihonqa inxa zonke, nezisekelo zesango lesihonqa, nezinkonkwane zonke zetabanekele, nezinkonkwane zesihonqa inxa zonke.

### ISAHLUKO 39.

**N**A ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, benza izivato zenkonzo, ukuba ku konzwe endaweni engewele, benza nezivato zika Aroni; njengokutyoka kuka Jehova kuMosi.

2 Wenza iefodi ngegolide, nokuluhlaza, kokububende, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo.

3 Ba kanda amagaba egolide, ba newela izintambo, ukuba zalukwe nokuluhlaza nokububende, nokubomvu, nosheshe, umsebenzi wenyanga yokukwaluka.

4 Ba lenzela iziziba zamahlombe ezihlanganisweyo, la hlanganiswa emacaleni omabili.

5 Ibande elifeketisiweyo lokulibopa, ela li kulo, la li kunye nalo, njengomsebenzi walo, igolide, okuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo; njengokutyoka kuka Jehova kuMosi.

6 Ba sebenza amatye amashohamu a lukwe ezisekelweni zegolide, e qotyiswe okwendandato, e namagama abantwana baka Israeli.

7 Wa wa beka ezizibeni zamahlombe zeefodi, a be amatye okukumbuza kwabaka Israeli, njengokutyoka kuka Jehova kuMosi.

8 Wenza ikoshene ngomsebenzi wenyanga yokwaluka, njengomsebenzi weefodi; ngegolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nosheshe olupotiweyo.

9 La li nezinhlangothi ezine ezilinganayo; ba lenza ikoshene li pindwe kabili; ubude balo ba bu ueikicane, la pindwa kabili.

10 Ba faka kulo izinhla ezine zamatye; uhla lokuqala lwa lu iodemi, nepiteda, nebarekete;

11 Uhla lwesibili lwa lu inofeke, nesaifeiro, neyahalomi;

12 Uhla lwesitatu lwa lu ilesheme, neshivu, neaklama;

13 Uhla lwesine lwa lu itarshishi, ishohamu, neyahsefe; alukwa ezisekelweni zegolide ngokufakwa kwawo.

14 Amatye a e namagama abantwana baka Israeli, a ishumi nambili e namagama abo, njengokuqotywa kwendandato, ilelo li be negama kuzo izizwe ezi ishumi nambili.

15 Benza kulo ikoshene amaketanga a njengezintambo, umsebenzi wegolide elihle elalukiweyo.

16 Benza izisekelo ezibili zegolide, namasongo amabili egolide; ba faka amasongo omabili emacaleni ekoshene inxa zombili.

17 Ba faka amaketanga omabili alukiweyo emasongweni omabili emacaleni ekoshene.

18 Imilomo emibili yamaketanga oma-

bili alukiweyo ba i faka ezisekelweni zozibili, ba ku beka ezizibeni zamahlombe zeefodi, ngapambili.

19 Benza amasongo amabili ngegolide, ba wa faka emacaleni ekoshene inxa zombili, ecaleni lalo eli bheka iefodi ngapakati.

20 Benza namanye amasongo amabili ngegolide, ba wa faka ezizibeni zozibili zamahlombe zeefodi, pansi, ngapambili, eduze nokuhlangana kwalo, pezu kwebande elifeketisweyo leefodi.

21 Ba bopa ikoshene ngamasongo alo emasongweni eefodi ngentambo eluhlaza, ukuba li be pezu kwebande elifeketisiweyo leefodi, ikoshene li nga suki kulo iefodi; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

22 Wenza ineili leefodi ngomsebenzi owalukiweyo, ngokuluhlaza kodwa.

23 Unlomo wemeili pakati kwalo wa u njengomlomo wetakera, umlomo wallowa u nompeto inxa zonke ukuba ku nga dabuka.

24 Benza emipetweni yemeili amarimoni ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu okupotiweyo.

25 Benza izinsimbi zegolide elihle; ba beka izinsimbi pakati kwamarimoni, empetweni wemeili, inxa zonke pakati kwamarimoni,

26 Insimbi nerimoni, insimbi nerimoni, empetweni wemeili inxa zonke, ukuba ku konzwe ngalo.

27 Ba benzela oAroni namadodana ake amatuniki ngosheshe, ngomsebenzi owalukiweyo,

28 Nesigqoko ngosheshe, nezigqoko ezihle ngosheshe, namabulukwe elineni ngosheshe olupotiweyo,

29 Nebande ngosheshe olupotiweyo, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, umsebenzi womfeketiso.

30 Benza umqele wesigqoko esingewe- le ngegolide elihle, ba bala kuwo umbalo, njengokuqotywa kwendandato, wokuti, UBUNGWELE kuJEHOVA.

31 Ba faka kuwo intambo yokuluhlaza, ukuba u fakwe pezulu esigqokweni; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

32 Njaloke kwa qedwa umsebenzi wonke wetabanekele letente lokuhlangana; abaka Israeli benza njengako konke, uJehova a ku tyoyo kuMosi, benza njalo.

33 Ba leta itabanekele kuMosi, itente, nempahla yonke yalo, amakelaspi alo, namapulankwe alo, nezinti zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo,

34 Nesifulelo sezikumba ezibomvu zezinqama, nesifulelo sezikumba zamatahashi, neveli lokuhonqa,

35 Nekesi lomteto, nezinti zalo, nesisibekelo,

36 Netebula nezitya zonke zalo, nesinakwa sokubekwa,

37 Nekandelabra elihle, namakandela onke alo, amakandela okuhlelwa, nezinto zonke zalo, namafuta ekandelabra,

38 Nelati legolide, namafuta okugecoba, nempepo eqoliweyo, neveli lokuhonqa emnyango wetabanekele lokuhlangana,

39 Nelati letusi, nekerati lalo letusi, nezinti zalo, nezitya zonke zalo, nelave nesinqe salo,

40 Nezilenge zesihonqa, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, neveli lokuhonqa esangweni lesihonqa, nezintambo zalo, nezikonkwane zalo, nempahla yonke yenkonzo yetabanekele, yetente lokuhlangana;

41 Nezivato zenkonzo zokukonza endaweni engewe- le, nezivato zika Aroni umpri- sti, nezivato zamadodana ake, ukuba ba be abapristi.

42 Njengako konke uJehova a ku tyoyo kuMosi, abaka Israeli benza umsebenzi wonke.

43 uMosi wa bona umsebenzi wonke, bheka, ba be wenzile njengokutyo kuka Jehova, ba benzile njalo; uMosi wa ba busisa.

#### ISAHLUKO 40.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala wo misa itabanekele letente lokuhlangana;

3 U beke kona ikesi lomteto, u lembe- se ikesi ngeveli,

4 U ngenise itebula, u li hlele; u nge- nise ikandelabra, u beke amakandela alo.

5 U beke ilati legolide lempepo pambi kwekesi lomteto, u lengise iveli lokuhonqa emnyango wetabanekele.

6 U beke ilati lomnikelo wokutyiswa pambi komnyango wetabanekele letente lokuhlangana.

7 U beke ilave pakati kwetabanekele lokuhlangana nelati, u tele amanzi kulo.

8 U mise isihonqa, inxa zonke, u lengise iveli lokuhonqa esangweni lesihonqa.

9 U tabate amafuta okugecoba, u geobe itabanekele, nako konke oku kulo, u li ngewelise, nezinto zonke zalo, li be ngewe- le.

10 U geobe ilati lomnikelo wokutyiswa, nezinto zonke zalo, u li ngewelise ilati, ilati a li be ngewelegewe.

11 U geobe ilave nesinqe salo, u li ngewelise.

12 U sondeze uAroni namadodana ake emnyango wetabanekele lokuhlangana, u ba geze ngamanzi.

13 U m ambatise uAroni izivato ezingewe, u m geobe, u m ngewelise, ukuba a be umpristi wami.

14 U sondeze namadodana ake, u wambatise amatuniki;

15 U ba geobise okuka yise, ba be abapristi bami; ukugeotywa ko ba ubupristi babo obupakade ezizukulwaneni zabo.

16 Wenza njalo uMosi; wenza njengako konke uJehova a ku tyoyo kuye.

17 Kwa ti ngenyanga yokuqala, ngomnyaka wesibili, ngosuku lokuqala lwenyanga, itabanekele la miswa.

18 uMosi wa misa itabanekele, wa beka izisekelo zalo, wa misa amapulankwe alo, wa faka izinti zalo, wa misa izinsika zalo.

19 Welula itente pezu kwetabanekele, wa beka isifulelo setente pezu kwalo, njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

20 Wa tabata umteto, wa u faka ekesini, wa beka izinti ekesini, wa beka isisibekelo pezu kwekesi.

21 Wa ngenisa ikesi etabanekele, wa lengisa iveli lokuhonqa, wa honqa ikesi lomteto: njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

22 Wa beka itebula etabanekele lokuhlangana, ohlangotini olu ngasenyakato, ngapandhle kweveli.

23 Wa hlela isinkwa kulo, pambi kuka Jehova; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

24 Wa beka ikandelabra etabanekele lokuhlangana; li bhokana netebula, ohlangotini lwetabanekele olu nga seningizimu.

25 Wa beka amakandela pambi kuka Jehova; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

26 Wa beka ilati legolide etabanekele lokuhlangana pambi kweveli.

27 Wa tyisa pezu kwalo impepo eqoliweyo; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

28 Wa lengisa iveli lokuhonqa emnyango wetabanekele.

29 Wa beka ilati lomnikelo wokutyiswa ngasemnyango wetabanekele letente lokuhlangana, wa nikela pezu kwalo umnikelo wokutyiswa, nomnikelo wempupu; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

30 Wa beka ilave pakati kwetabanekele nelati, wa tela kona amanzi okugeza.

31 uMosi noAroni namadodana ake ba geza izandhla zabo nezinyawo zabo kulo.

32 Nxa be ngena etabanekele lokuhlangana, nanxa be sondela elatini, ba geza; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

33 Wa misa isihonqa ngasetabanekele na selatini inxa zonke, wa lengisa iveli lokuhonqa esangweni lesihonqa Njalo uMosi wa qeda umsebenzi.

34 Kona ifu la mboza itabanekele lokuhlangana, ubukosi buka Jehova ba gwalisa itabanekele.

35 uMosi wa e nge nakungena etabanekele lokuhlangana, ngokuba ifu la li hlezi pezu kwalo, nobukosi buka Jehova ba gwalisa itabanekele.

36 Nxa kwenyuka ifu li suka etabanekele, abaka Israeli besuka ba ya ekuhambeni konke kwabo;

37 Kepa nxa ifu li ngenyuke, a ba sukanga, kwa za kwa fika usuku lokwenyuka kwalo.

38 Ngokuba ifu lika Jehova la li pezu kwetabanekele emini, nomlilo wa u kulo ebusuku, emehlweni ayo yonke indhlu ka Israeli, ekuhambeni konke kwabo.

## ULEVI.

## ISIAHLUKO 1.

**U**JEHOVA e setabanekeleni lokuhlangana wa biza uMosi, wa tyo kuye, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Nxa umuntu wa kini e leta kuJehova umnikelo wa semhlambini, a no leta umnikelo wenu u ngowa sezinkomeni, noma owasezimvini.

3 Uma umnikelo wake u ngumhlatyelo wokutyiswa wa sezinkomeni ka nikele iduna eli nge nacala, ka u nikele ngasemnyango wetabanekele lokuhlangana, ukuba amkelwe uJehova.

4 A beke isandhla sake enhlokweni yomnikelo wokutyiswa; u ya kwamkelwa ngenxa yake, u m hlaulele.

5 A hlabe itole pambi kuka Jehova; abapristi, amadodana ka Aroni, ba letе igazi, ba fafaze ngalo ilati inxa zonke, eli ngasemnyango wetabanekele lokuhlangana.

6 A u hlinze umnikelo wokutyiswa, a u hlahlele izito.

7 Amadodana ka Aroni, umpristi, a beke umlilo elatini, a hlele izinkuni pezu komlilo;

8 Abapristi, amadodana ka Aroni, ba hlele izito, nenhloko namafuta, pezu kwezinkuni ezi semlilweni o selatini;

9 A hlanze ngamanzi umbilini walo, namanqina alo; umpristi a ku tyise konke elatini, ku be umnikelo wokutyiswa, umhlatyelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

10 Uma umnikelo wake u ngowasemhlambini, wasezimvini noma owasezimbuzini, ukuba u be umnikelo wokutyiswa, ka u letе u iduna eli nge nacala.

11 A u hlabe ngasohlangotini lwelati olu ngasenyakato pambi kuka Jehova; abapristi, amadodana ka Aroni, ba fafaze ngegazi lalo ilati inxa zonke.

12 A u hlahlele izito, nenhloko yalo namafuta alo; umpristi a ku hlele ezinkunini ezi semlilweni o selatini;

13 A hlanze umbilini namanqina ngamanzi; umpristi a ku letе konke, a ku tyise elatini; ku umhlatyelo wokutyiswa, umnikelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

14 Uma umhlatyelo wokutyiswa, umnikelo wake ku Jehova, u ngowezinyoni, ka letе owamahobe noma owamavukutu amatya umnikelo wake.

15 Umpristi a u letе ngaselatini, a u shumpule inhloko, a u tyise elatini; igazi lawo a li kanyelwe ohlangotini lwelati

16 A suse indhlelo nomswani wayo, a ku lahle ngaseceleni kwelati, ngasempumalanga, endaweni yomlota:

17 A u dabule namapiko awo, kepa a nga wahlukanisi; umpristi a u tyise elatini, ezinkunini ezi semlilweni; ku umhlatyelo wokutyiswa, umnikelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

## ISIAHLUKO 2.

**N**XA umuntu e nikela kuJehova umnikelo wempupu, umnikelo wake a u be impupu enhle; a tele amafuta kuyo, a beke kuyo nelebona;

2 A u letе kuwo amadodana ka Aroni, abapristi; umpristi a capune kuwo, ku gwale isandhla, kuyo impupu yawo, namafuta awo, a tabate nelebona lonke lawo; umpristi a tyise isikumbuzo sawo elatini, ku be umnikelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova;

3 Umnikelo wempupu oseleyo wo ba oka Aroni namadodana ake; ku ngewelengewele eminkelweni yomlilo ka Jehova.

4 Nxa u leta umnikelo o umnikelo wempupu epekiweyo eziko, a u be izinkwana ezi nga vutyelwe zempupu enhle zi telwe amafuta, noma izinkwana, ezi izincweewe, ezi nga vutyelwe, zi telwe amafuta.

5 Uma umnikelo wako u umnikelo wempupu epekiweyo epenini, a u be impupu enhle e nga vutyelwe, i telwe amafuta.

6 U u hlepule izingcezu, u tele amafuta kuwo; u umnikelo wempupu.

7 Uma umnikelo wako u umnikelo wempupu epekiweyo ebodweni, a wenziwe ngempupu enhle namafuta.

8 U letе ku Jehova umnikelo wempupu owenziwe ngaloku; nanxa u nikelwa kumpristi, ka u letе elatini.

9 Umpristi ka tabate isikumbuzo kuwo umnikelo wempupu, a si tyise elatini;

ku umnikelo womlilo, ipunga eliminandi ku Jehova.

10 Umnikelo oseleyo wo ba oka Aroni namadodana ake; ku ngewelengewele eminikelweni yomlilo ka Jehova.

11 Ani ku nga bi ko umnikelo wempupu, eni u letayo kuJehova, owenziwe ngemvubelo; ngokuba ni nga tyisi imvubelo, nezinyosi emnikelweni womlilo.

12 A no ku nikela ku Jehova, ku be umnikelo wolibo; kepa a ku nga tyiswa elatini, ku be ipunga elimuandi.

13 Ininikelo yonke yeminikelo yako yempupu a i telwe usaoti, u nga yeki ukutela usaoti wesivumelwano sika Tixo wako emnikelweni wako wempupu; u nikele usaoti kanye neminikelo yonke yako.

14 Uma u nikela kuJehova umnikelo wolibo, wo nikela umnikelo wolibo lwa-ko, izikwebu ezitya zamabele zosiwe ngomlilo, amabele a kandiweyo.

15 U tele amafuta kuwo, u beke kuwo nelebona, ku umnikelo.

16 Umpristi a tyise isikumbuzo sawo, amanye amabele awo akandiweyo, namanye amafuta awo kanye nalo lonke ilebona lawo; ku umnikelo womlilo ku-Jehova.

### ISAHLUKO 3.

**U**MA umnikelo wake u umhlatyelo wokutula, una e nikela inkomo, noma iduna, noma insikazi, ka u nikele pambi kuka Jehova, u nge nacala.

2 A beke isandhla sake enhlokweni yomnikelo wake, a u hlabe ngasemnyango wetabanekele lokuhlangana; amadodana ka Aroni, abapristi, a fafaze ngegazi ilati inxa zonke.

3 A tabate kuwo umhlatyelo wokutula, a nikele umnikelo womlilo kuJehova; amafuta ambesa umbilini, namafuta onke a kuwo umbilini,

4 Nezinso zombili, namafuta a kuzo, a sezinkalweni, namanoni a pezu kwesibindi, ngasezinsweni; a ku suse.

5 Amadodana ka Aroni a ku tyise elatini ngapezu komnikelo wokutyiswa, o sezinkunini ezi semlilweni; ku umnikelo womlilo, ipunga eliminandi kuJehova.

6 Uma umnikelo wake womhlatyelo wokutula kuJehova u invu, noma iduna, noma insikakazi, ka u nikele u nge nacala.

7 Uma e nikela invu i be umnikelo wake, ka i nikele pambi kuka Jehova.

8 A beke isandhla sake enhlokweni yomnikelo wake, a u hlabe pambi kweta-

banekele lokuhlangana amadodana ka Aroni a fafaze ngegazi lawo ilati inxa zonke.

9 A tabate kuwo umhlatyelo wokutula, a nikele umnikelo womlilo kuJehova; amafuta awo, nomsila wonke, a unqume esinqeni, namafuta ambesa umbilini, namafuta onke a kuwo umbilini.

10 Nezinso zombili, namafuta a kuzo, a sezinkalweni, namanoni a pezu kwesibindi, ngasezinsweni, a ku suse.

11 Umpristi a ku tyise elatini; ku ngukudhla komnikelo womlilo kuJehova.

12 Uma umnikelo wake u imbuzi, ka u nikele pambi kuka Jehova.

13 A beke isandhla sake enhlokweni yawo, a u hlabe pambi kwetabanekele lokuhlangana; amadodana ka Aroni a fafaze ngegazi lawo ilati inxa zonke.

14 A tabate kuwo, a nikele umnikelo wake, umnikelo womlilo kuJehova; amafuta ambesa umbilini, namafuta onke a kuwo umbilini,

15 Nezinso zombili, namafuta a kuzo, a sezinkalweni, namanoni a pezu kwesibindi, ngasezinsweni, a ku suse.

16 Umpristi a ku tyise elatini; ku ngukudhla komnikelo womlilo, ku be ipunga elihle; amafuta onke a ngaka Jehova.

17 Ko ba umteto opakade kuzo izizukulwane zenu ezindhlini zonke zenu wokuti, ni nga dhli amafuta.

### ISAHLUKO 4.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, Nxa umuntu ngokungaqondi ona kuwo umyalo ka Jehova enze oku nga fanele ukwenziwa, a tole icala;

3 Uma umpristi ogeotyiweyo ona njengokona kwabantu, ka nikele kuJehova ngesono sake, a sonileyo, itole eli nge nacala, li be umnikelo wesono.

4 A lete itole emnyango wetabanekele lokuhlangana pambi kuka Jehova, a beke isandhla sake enhlokweni yetole, a hlabe itole pambi kuka Jehova.

5 Umpristi ogeotyiweyo a tabate igazi lalo, a li lete etabanekeleli lokuhlangana;

6 Umpristi a fuke umunwe wake egazini, a fafaze ngalo kakombisa pambi kuka Jehova, pambi kweveli lendawo engewele.

7 Umpristi a bece igazi ezimpondweni zelati lempepo eqoliweyo pambi kuka Jehova, eli setabanekeleli lokuhlangana,



a tele igazi lonke letole pansi ngaselatini lomnikelo wokutyiswa, eli semnyango wetabanekele lokuhlangana.

8 Amafuta onke etole lomnikelo wokona a wa tabate kulo; amafuta ambesambilini, namafuta onke a kuwo umbilini,

9 Nezinso zombili, namafuta a kuzo, a sezinkalweni, namanoni a pezu kwe-sibindi ngasezinsweni, a ku suse,

10 Njengaloku kwa suswa etoleni lomhlatyelo wokutula; umpristi a ku tyise elatini lomnikelo wokutyiswa.

11 Isikumba setoli, nayo yonke inyama yalo, kanye nenhloko yalo, nama-nqina alo, nombilini walo, nobulongwe balo,

12 Itole lonke a li kipele ngapandhle kwekamu, endaweni enhle, lapa ku telwa kona umlota, a li tyise ezinkunini ngomlilo; a li tyiswe lapa ku telwa kona umlota.

13 Uma isizwe sonke sa kwa Israeli seduka ngokungaqondi, ku ngaziwa isizwe, uma sona kuwo umyalo ka Jehova, senze oku nga fanele ukwenziwa, si tole icala;

14 Nxa isono, esi sonileyo kuwo, se saziwe, kona isizwe a si nikele itole, li be umnikelo wesono, si li lete pambi kwetabanekele lokuhlangana.

15 Amalunga esizwe a beke izandhla zawo enhlokweni yetoli pambi kuka Jehova; itole li hlatywe pambi kuka Jehova.

16 Umpristi ogcotyiweyo a lete igazi letole etabanekeleli lokuhlangana;

17 Umpristi a fake umunwe wake egazini, a fafaze ngalo kakombisa pambi kuka Jehova, pambi kweveli.

18 A bece igazi ezimpondweni zelati, eli pambi kuka Jehova, eli setabanekeleli lokuhlangana, a tele igazi lonke pansi ngaselatini lomnikelo wokutyiswa, eli semnyango wetabanekele lokuhlangana.

19 Amafuta onke alo a wa tabate kulo, a wa tyise elatini.

20 Kenze ngalelitole njengaloku wenza ngetole lomnikelo wesono; umpristi a ba hlaulele, ba tetelelwe.

21 A kipele itole ngapandhle kwekamu, a li tyise njengaloku wa li tyisa itole lokuqala; ku umnikelo wokona wesizwe.

22 Nxa o isikulu ona ngokungaqondi, enze kuwo umyalo ka Jehova, uTixo wake, okungafanele ukwenziwa, a tole icala;

23 Uma mhlaumbe e se sazi isono sake, a sonileyo; ka lete umnikelo wake, impongo ezimbuzini, iduna eli nge nacala.

24 A beke isandhla sake enhlokweni yembuzi, a i hlabe lapa ku hlatywa kona umnikelo wokutyiswa, pambi kuka Jehova; ku umnikelo wesono.

25 Umpristi a tabate ngonmunwe wake igazi lomnikelo wesono, a li bece ezimpondweni zelati lomnikelo wokutyiswa, a tele igazi lawo pansi ngaselatini lomnikelo wokutyiswa.

26 A tyise amafuta onke alo, njengamafuta omhlatyelo wokutula: umpristi a m hlaulela ngesono sake, a tetelelwe.

27 Uma ku umuntu nje o onileyo ngokungaqondi, enze kuwo umyalo ka Jehova oku nga fanele ukwenziwa, a tole icala;

28 Uma mhlaumbe e se sazi isono sake, a sonileyo, ka lete umnikelo wake, ibuzazana la sezimbuzini, insikazi e nge nacala, ngesono sake a sonileyo.

29 A beke isandhla sake enhlokweni yomnikelo wesono, a hlabe umnikelo wokona endaweni yomnikelo wokutyiswa.

30 Umpristi a tabate igazi lawo ngomunwe, a li bece ezimpondweni zelati lomnikelo wokutyiswa, a tele igazi lonke lawo pansi ngaselatini.

31 A suse amafuta onke awo, njengaloku amafuta a suswa kuwo umhlatyelo wokutula; umpristi a wa tyise elatini, a be ipunga eli mnandi kuJehova; umpristi a m hlaulele, a tetelelwe.

32 Uma e leta imvu, i be umnikelo wesono, ka lete insikazi e nge nacala.

33 A beke isandhla sake enhlokweni yomnikelo wesono, a u hlabe u be umnikelo wesono endaweni lapa ku hlatywa kona umnikelo wokutyiswa.

34 Umpristi a tabate igazi lomnikelo wesono ngomunwe wake, a li bece ezimpondweni zelati lomnikelo wokutyiswa, a li tele igazi lonke pansi ngaselatini;

35 A suse amafuta onke awo, njengamafuta emvu a suswa kuwo umhlatyelo wokutula; umpristi a wa tyise elatini, emnikelweni yomlilo ku Jehova; umpristi a m hlaulele ngesono sake a sonileyo, a tetelelwe.

ISAHLUKO 5.

**N**XA umuntu ona, e zwile izwi lesifungo, e ngufakazi wento, noma e i bo-

nile, noma e yazi, uma e nga i tyo, u necala.

2 Noma umuntu e pata into engcolile, noma isidumbu sesilo esingcolile, noma isidumbu senkomo embi, noma isidumbu sesilwanyana esingcolile, ku ngaziwa uye, u ya kuba e ngcolile, a be necala.

3 Noma e pata ukungcola komuntu, noma ukungcola kuni, a ngcoliswa ibo umuntu, ku ngaziwa uye; lapo e se kwazi u ya kuba necala.

4 Noma umuntu e funga, e kuluma ize ngezindebe zake, ukwenza okubi, noma ukwenza okuhle, noma ku ini a kuluma ize ngako umuntu, a funge, ku ngaziwa uye; lapo e se kwazi u ya kuba necala ngenye into kulezi.

5 Ko ti, nxa e necala ngenye into kulezi, ka vume ukuti wonile ngalento.

6 A lete kuJehova umnikelo wecala lake, ngesono sake a sonileyo, insikazi ya semhlambini, imvu, noma ibuzazana, ku be umnikelo wesono; umpristi a mhlaulele ngesono sake.

7 Uma e nge nakuleta imvu, ka lete kuJehova ngesono sake, a sonileyo amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya, elinye li be umnikelo wesono, nelinye li be umnikelo wokutyiswa.

8 A wa lete kumpristi, o ya kunikela kuqala elomnikelo wesono, a li shumpule inhloko yalo entanyeni, kepa a nga li dabuli.

9 A fafaze ngegazi lomnikelo wesono uhlangoti lvelati; elinye igazi a li kanyelwe pansi ngaselatini; ku umnikelo wesono.

10 A nikele elesibili li be umnikelo wokutyiswa, njengomteto; umpristi a m hlaulele isono sake, a sonileyo, a tetelelwe.

11 Kodwa uma e nge nakuleta amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya, owonileyo ka lete umnikelo wake okweshumi kweefa lempupu enhle, ku be umnikelo wesono; a nga teli amafuta kuwo, a nga beki nelebona kuwo; ngokuba ku umnikelo wesono.

12 A u lete kumpristi, umpristi a capune kuwo, ku gewale isandhla u be isikumbuzo sawo, a u tyise elatini, eminikelweni yomlilo ku Jehova; ku umnikelo wesono.

13 Umpristi a m hlaulele isono sake, a sonileyo kwenye into kulezi, a tetelelwe; okuseleyo a ku be okompristi, njengomnikelo wempupu.

14 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

15 Nxa umuntu enza icala, one ngokungaqondi, ezintweni ezingcwele zika Jehova; ka lete kuJehova ngecala lake inqama ya semhlambini e nge nacala, njengokulinganisa ngamashekeli esiliva, a ngangamashekeli endawo engcwele, i be umnikelo wecala;

16 Ka kokele isono sake a sonileyo, engeze okwesihlanu, a ku nike umpristi; umpristi a m hlaulele ngenqama yomnikelo wecala, a tetelelwe.

17 Uma umuntu ona, enze uto olu nqatyelwa imiyalo ka Jehova ukuba lu ngenziwa, noma e be ngazi, wonile, u necala.

18 Ka lete kumpristi inqama e nge nacala, ya semhlambini, ngokulinganisa, i be umnikelo wecala; umpristi a m hlaulele ngokungaqondi kwake, eduka ngako, e ngazi, a tetelelwe.

19 Ku umnikelo wecala; wenzile icala impela ku Jehova.

#### ISAHLUKO 6.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Nxa umuntu ona, enze icala kuJehova, a pike kowakelene naye into ebekiweyo, noma e isibambiso, noma into epangiweyo, noma e dhla owakelene naye,

3 Noma e tola into elahlekileyo, a i pike, a funge amanga, ngazo zonke lezizinto a zenzayo umuntu, one ngazo.

4 Kona a ku ti, ngokuba onile, e necala, ka buyise into a i pangayo, noma into a i dhlayo, noma into e bekiweyo kuye, noma into e lahlekileyo, a i tolayo,

5 Noma intoni a funga amanga ngayo; ka i koke yona, enezele okwesihlanu kuyo, a ku nike umnikelo ngosuku lomnikelo wecala.

6 Ka lete kuJehova, kumpristi, umnikelo wake wecala, inqama ya semhlambini e nge nacala, ngokulinganisa kwako, i be umnikelo wecala;

7 Umpristi a m hlaulele pambi kuka Jehova, a tetelelwe konke a kwenzileyo a be necala ngako.

8 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

9 Yala uAroni namadodana ake, u ti, Lo u umteto womnikelo wokutyiswa; Lo umnikelo wokutyiswa, ka u hlale eziko elatini ubusuku bonke, ku ze ku se, umlilo welati u hlale kulo u vuta.

10 Umpristi ka mbate isivato sake selineni, ambate emzimbeni wake nebulukwe lake lelineni, a wole umlota o tye kanye nomnikelo wokutyiswa elatini, a u tele ecelini kwelati.

11 A kumule izivato zake, ambate ezinye izivato, a kipele umlota ngapandhle kwekamu, endaweni enhle.

12 Umlilo o selatini a u hlale kulo u vuta, a u nga cinywa; umpristi a base izinkuni kulo kusasa imihla ngemihla, a hlele kulo umnikelo wokutyiswa, a tyise kulo amafuta eminikelo wokutula.

13 Umlilo a u hlale u vuta elatini, u nga cimi njalo.

14 Lo u ngumteto womnikelo wempupu; amadodana ka Aroni ka u nikele pambi kuka Jehova, pambi kwelati.

15 Umpristi a capune kuwo, ku gewale isandhla, kuyo impupu yomnikelo wempupu, namafuta awo, a tabate nalo lonke ilebona eli semnikelweni wempupu, a ku tyise elatini, ku be ipunga elimnandi, isikumbuzo sawo, kuJehova.

16 Okuseleyo kuwo a ku dhliwe uAroni namadodana ake, ku dhliwe endaweni engewele ku nga vutyelwe; ba ku dhle esihonqeni setabankele lokuhlangana.

17 A ku nga pekwa ku vutyelwe. Ngi ku nikile, ku be isabelo sabo emnikelweni yami yomlilo; ku ngwelengewele, njengomnikelo wesono nomnikelo wecala.

18 Abesilisa bonke kwabaka Aroni a ba ku dhle. Ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu ngeminikelo yomlilo ka Jehova; konke oku ku patayo a ku be ngewele.

19 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

20 Lo u ngumnikelo ka Aroni namadodana ake, aba ya kuunikela kuJehova msukwana be gcotywayo; okweshumi kweefa lempupu enhle, ku be umnikelo wempupu njalonjalo, inxenye yawo kusasa, nenxenye yawo kusihlwa.

21 A kwenziwe epenini namafuta; se ku pekiwe a u ku ngenise; izingcezu ezipekiweyo zomnikelo wempupu u zi nikele, zi be ipunga eli mnandi kuJehova.

22 Umpristi emadodaneni ake ogcotyiweyo esikundhleni sake a u nikele; ku umteto opakade kuJehova; a u tyiswe wonke.

23 Ngokuba iminikelo yonke yempupu yompristi i ya kutyiswa a i nga dhliwa.

24 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

25 Yityo kuAroni namadodana ake, u ti, Lo u ngumteto womnikelo wesono; endaweni lapa ku hlatyelwa kona umnikelo wokutyiswa a ku hlatyelwe

umnikelo wesono pambi kuka Jehova; u ngwelengewele.

26 Umpristi o u nikelayo ngesono ka u dhle; u ya kudhliwa endaweni engewele, esihonqeni setabankele lokuhlangana;

27 Konke oku patayo inyama yawo ko ba ngewele; nxa ku fafazwa ngegazi lawo isivato, lento e fafazwa ngalo a i gezwe endaweni engewele.

28 Kepa isitya sebumba o bu pekiwe kuso ka si bulawe; uma u pekwa ngebodwe letusi, a li pucuzwe, li hlanzwe ngamanzi.

29 Abesilisa bonke kubapristi a ba u dhle; u ngwelengewele.

30 Kepa a ku nga dhliwa umnikelo wesono, o ke kwa ngeniswa igazi lawo etabanekeleni lokuhlangana, ukuba ku hlaulwe endaweni engewele; a u tyiswe ngomlilo.

## ISAHLUKO 7.

**L**O u ngumteto womnikelo wecala; u ngwelengewele.

2 A ku hlatywe umnikelo wecala endaweni lapa ku hlatywe kona umnikelo wokutyiswa; a fafaze ngegazi lawo ilati inxa zonke.

3 A nikele amafuta onke awo; umsila wawo, namafuta ambesa umbilini,

4 Nezinso zombili, namafuta a kuzo, a sezinkalweni, namanoni a pezu kwe-sibindi ngasezinsweni, ka ku suse;

5 Umpristi ka ku tyise elatini, ku be umnikelo womlilo kuJehova; u umnikelo wecala.

6 Abesilisa bonke kubapristi a ba u dhle; u ya kudhliwa endaweni engewele; u ngwelengewele.

7 Umnikelo wecala u njengomnikelo wesono; umteto wayo yombili munye; umpristi o hlaula ngawo wo ba awake.

8 Umpristi o nikela umnikelo wokutyiswa womuntu, so ba esompristi isikumba somnikelo wokutyiswa a u nikeleyo.

9 Neminikelo yonke yempupu e pekiweyo eziko, nayo yonke e pekiweyo ebodweni, na sepenini, yo ba eyompristi o i nikileyo.

10 Kodwa iminikelo yonke e telwe amafuta, neyomileyo, yo ba eyamadodana onke ka Aroni, okwabo bonke ku lingane.

11 Lo u ngumteto womhlatyelo wokutula a ya kuunikela kuJehova.

12 Uma e u nikela u be umnikelo wo-

kubonga, ka nikele kanye nomhlatyelo wokutula izinkwana ezi nga vutyelwe, zi telwe amafuta, nezinkwana ezi izinewewe ezi geotywe ngamafuta, nezinkwana ezi xovwe ngamafuta, zempupu euhle, zi pekiwe.

13 Kanye nezinkwana ka nikele umnikelo wake, isinkwa esi nga vutyelwe nomhlatyelo wokubonga weminikelo yake yokutula.

14 A tabate kuwo esinye eminikelweni yonke, a si nikele si be umnikelo wokupakanyiswa kuJehova, si be esompristi o fafazayo ngegazi leminikelo yokutula.

15 Inyama yomhlatyelo wokubonga weminikelo yake yokutula a i dhliwe ngalolosuku e nikelwa ngalo; ka nga i shiyi ku ze ku se.

16 Kepa uma umhlatyelo womnikelo wake u ngowokwetembisa, noma u ngowesihle, a u dhliwe ngalolosuku a nikelwa umhlatyelo ngalo; na ngangomso okuseleyo kuwo ku nga dhliwa;

17 Kodwa inyama eseleyo yomhlatyelo a i tyiswe ngomlilo ngosuku lwe-sitatu.

18 Uma ku dhliwa inyama yomhlatyelo wake weminikelo yokutula ngosuku lvesitatu, a i yi kwamkelwa, nowa i nikelayo a ka yi kubhekwa; ko nengeka; umuntu o i dhlayo u ya kuba necala.

19 Inyama e tinta into embi, a i nga dhliwa; a i tyiswe ngomlilo; kepa le-nyama bonke abahlambulukileyo ba nga i dhla.

20 Kodwa umuntu o nga hlambulukile o dhlayo inyama yomhlatyelo wokutula, o ngoka Jehova, lowomuntu u ya kunqunywa kwabakubo.

21 Nanxa umuntu e pata into e nga hlambulukile, noma umuntu o nga hlambulukile, noma inkomo e nga hlambulukile, noma intoni e nengekayo, e nga hlambulukile, a dhle inyama yomhlatyelo wokutula, o ngoka Jehova, na lowomuntu u ya kunqunywa kwabakubo.

22 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

23 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ni nga dhli amafuta enkomo, nawemvu, nawembuzi.

24 Amafuta enkomo ezifeleyo, namafuta enkomo edetyuliweyo ku nga setyenzwa ngawo kuyo yonke imisebenzi; kepa ni nga wa dhli nempela.

25 Ngokuba lowo o dhlayo amafuta enkomo e nikelwa i be umnikelo womlilo kuJehova, lowo o wa dhlayo ka nqunywe kwabakubo.

26 Negazi ni nga li dhli, noma elenyoni noma elenkomo, ezindhlini zonke zenu.

27 O dhlayo igazi lowo ka nqunywe kwabakubo.

28 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

29 Yityo kwabaka Israeli, u ti, O nikelwa umhlatyelo wokutula kuJehova, ka lete kuJehova umnikelo wake wa semhlatyelweni wokutula.

30 Ka lete ngezandhla zake iminikelo yomlilo ka Jehova; a lete amafuta kanye nesifuba ukuba isifuba si zuliswe si be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova.

31 Umpristi a tyise amafuta elatini, kepa isifuba so ba esika Aroni namadodana ake.

32 A no nika umpristi umlenze woku-nene, u be umnikelo wokupakanyiswa kuyo imihlatyelo yokutula.

33 Indodana ka Aroni e nikelwa igazi leminikelo yokutula, namafuta, ko ba okwayo umlenze wokunene, u be isabelo sayo.

34 Ngokuba isifuba sokuzuliswa, nomlenze wokupakanyiswa ngi ku tabatile kwabaka Israeli kuyo imihlatyelo yabo yokutula, ngi ku nikile uAroni umpristi, namadodana ake ngomteto opakade kwabaka Israeli.

35 Loku ku isabelo sika Aroni nesabelo samadodana ake, emnikelweni yomlilo kuJehova, msukwana e ba leta, ukuba ba be abapristi baka Jehova;

36 A ku yalayo uJehova, ukuba ba piwa abaka Israeli, msukwana e ba geoba, ku be umteto opakade ezizukulwaneni zabo.

37 Lo u ngumteto womnikelo woku-tyiswa, nowomnikelo wempupu, nowomnikelo wesono, nowomnikelo wecala, nowomnikelo wokumisa, nowomhlatyelo wokutula;

38 uJehova a m yala ngawo uMosi entabeni ya seSinai, msukwana e yala abakaIsraeli, ukuba ba nikele kuJehova, ehlane la seSinai.

## ISIAHLUKO 8.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Tabata uAroni, namadodana ake, nezivato, namafuta okugeoba, netole lomnikelo wesono, nezinqama ezimbili, nobaskiti wezinkwa ezi nga vutyelwe;

3 U butele isizwe sonke emnyango wetabanekela lokuhlangana.

4 uMosi wenza njengokutyo kuka Je-

hova kuye; isizwe sa butana emnyango wetabanekele lokuhlangana.

5 uMosi wa ti esizweni, Loku ku iko a ku tyoyo uJehova ukuba kwenziwe.

6 uMosi wa leta uAroni namadodana ake, wa ba geza ngamanzi.

7 Wa m ambatisa ituniki, wa m bincisa ibande, wa m vatisa imeili, wa m faka iefodi, wa m bincisa ibande elifeketisiweyo leefodi, wa li bopela kuye ngalo.

8 Wa m faka ikoshene; wa beka ekosheneni iUrimi neTumimi.

9 Na faka isigqoko ekanda lake, na sesigqokweni ebusweni bake wa faka isicaba segolide, umqele ongewele; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

10 uMosi wa tabata amafuta okugeoba, wa geoba itabanekele nako konke oku kulo, wa ku ngewelisa.

11 Wa fafaza ngawo ilati kakombisa, wa geoba ilati nezitya zonke zalo, nelawe nesingwe salo, ukuba ku ngeweliswe.

12 Wa tela amafuta okugeoba ekanda lika Aroni, wa m geoba, ukuba a m ngewelise.

13 uMosi wa leta amadodana ka Aroni, wa wambatisa amatuniki, wa wa bincisa amabande, wa bopela izigqoko kuwo; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

14 Wa leta itole lomnikelo wesono; uAroni namadodana ake ba beka izandhla zabo enhlokweni yetole lomnikelo wesono.

15 Wa li hlaba; uMosi wa tabata igazi, wa li beca ezimpondweni zelati inxa zonke ngomunwe wake, wa hlambulula ilati, wa tela igazi pansi eceleni kwelati, wa li ngewelisa, ukuba a li hlaulele.

16 Wa tabata amafuta onke a kuwo umbilini, namanoni a pezu kwesibindi, nezinsu zombili, namafuta azo, uMosi wa ku tyisa elatini.

17 Kefa itole, isikumba salo, nenyama yalo, nobulongwe balo, wa ku tyisa ngomlilo ngapandhle kwekamu; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

18 Wa leta inqama yomnikelo wokutyiswa; uAroni namadodana ake ba beka izandhla zabo enhlokweni yenqama.

19 Wa i hlaba; uMosi wa fafaza ngegazi ilati inxa zonke.

20 Wa hlahlela inqama; uMosi wa tyisa inhloko, nezito, namafuta.

21 Wa hlanza umbilini namanqina ngamanzi; uMosi wa tyisa inqama yonke elatini; ya i ngumnikelo wokutyiswa, ku be ipunga elimnandi, umnikelo

lo womlilo kuJehova; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

22 Wa leta nanye inqama, inqama yokumisa; uAroni namadodana ake, ba beka izandhla zabo enhlokweni yenqama.

23 Wa i hlaba; uMosi wa tabata igazi layo, wa li beca esitinzini sendhlebe yokunene ka Aroni, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na sozwanini olukulu lonyawo lwake lokunene.

24 Wa leta amadodana ka Aroni; uMosi wa beca igazi esitinzini sendhlebe yabo yokunene, na sesitupeni sesandhla sabo sokunene, na sozwanini lonyawo lwabo lokunene; uMosi wa fafaza ngegazi ilati inxa zonke.

25 Wa tabata amafuta, nomsila, namafuta onke a kuwo umbilini, namanoni a pezu kwesibindi, nezinsu zombili, namafuta azo, nomlenze wokunene;

26 Na kubaskiti wezinkwa ezi nga vutyelwe, ezi pambi kuka Jehova, wa tabata isinkwana sa ba sinye esi nga vutyelwe, nesinkwana sesinkwa esi namafuta, nesinkwana esi newewe, wa ku beka pezu kwamafuta nomlenze wokunene;

27 Wa beka konke ezandhleni zika Aroni na sezandhleni zamadodana ake, wa ku zulisa ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova.

28 uMosi wa buya wa ku tabata ezandhleni zabo, wa ku tyisa elatini emnikelweni wokutyiswa; kwa ku umhlatyelo wokumisa, ipunga elimnandi; ku umnikelo womlilo kuJehova.

29 uMosi wa tabata isifuba, wa si zulisa, si be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova; sa si isabelo sika Mosi sa senqameni yomnikelo wokumisa; njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

30 uMosi wa tabata amafuta okugeoba, negazi eli selatini, wa fafaza ngalo uAroni, nezivato zake, namadodana ake, nezivato zamadodana ake; wa ngewelisa uAroni, nezivato, namadodana ake, nezivato zamadodana ake.

31 uMosi wa ti kuAroni na kuwo amadodana ake, Pekani inyama ngasemnyango wetabanekele lokuhlangana, nii dhle kona kanye nesinkwa esi kubaskiti womnikelo wokumisa, njengokutyiwo kimi, ukuti, A ku dliwe uAroni namadodana ake.

32 Okuseleyo enyameni na sesinkweni a no ku tyisa ngomlilo.

33 Ni nga pumi emnyango wetabanekele

le lokuhlangana izinsuku ezi isikombisa, ku nga ka peli izinsuku zokumiswa kwenu; ngokuba ko ba izinsuku ezi isikombisa e ni misa.

34 U tyilo uJehova ukuba kwenziwe, njengaloku e kwenzile namhla, ukuze ni hlaulelwe.

35 Ngako a no hlala emnyango wetabanekele lokuhlangana izinsuku ezi isikombisa, emiini nobusuku, ni gcine umyalo ka Jehova, ukuba ni nga fi, ngokuba ku tyiwo njalo kimi.

36 uAroni namadodana ake benza konge, a ku tyoyo uJehova ngaye uMosi.

### ISAHLUKO 9.

**K**WA ti ngosuku lwesishiyagalombili, uMosi wa biza uAroni namadodana ake, namalunga ka Israeli;

2 Wa ti kuAroni, Tabata itole, li be umnikelo wesono, nenqama e nge nacala, i be umnikelo wokutyiswa, u i nikelule pambi kuka Jehova.

3 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Tabatani impongo ezimbuzini, i be umnikelo wesono, netole, nemvu, ku be nomnyaka munye kokubili, ku nge nacala, ku be umnikelo wokutyiswa;

4 Netole, nenqama, ku be iminikelo yokutula, ukuba ku hlatywe pambi kuka Jehova; nomnikelo wempupu u telwe amafuta; ngokuba namhla uJehova u ya kubonakala kini.

5 Ba leta loko, a ku tyoyo uMosi, pambi kwetabanekele lokuhlangana; isizwe sonke sa sondela, sema pambi kuka Jehova.

6 uMosi wa ti, Loku ku iko a ku tyoyo uJehova, ukuba ni kwenze; ku ze ku bonakale ubukosi buka Jehova kini.

7 uMosi wa ti kuAroni, Sondela elatini, u nikele umnikelo wako wesono, nomnikelo wako wokutyiswa, u zihlalele wena nabantu, njengokutyoko kuka Jehova.

8 uAroni wa sondela elatini, wa hlabala itole okwa ku elake lomnikelo wesono.

9 Amadodana ka Aroni a leta igazi kuye, wa faka umunwe wake egazini, wa li beca ezimpondweni zelati, wa tela igazi pansi eeleni kwelati;

10 Kefa amafuta, nezinsu, namanoni a pezu kwesibindi omnikelo wesono, wa ku tyisa elatini; njengokutyoko kuka Jehova kuMosi.

11 Inyauva, nesikumba, wa ku tyisa ngomlilo ngapandhle kwekamu.

12 Wa hlabala umnikelo wokutyiswa; amadodana ka Aroni a m nika igazi, wa fafaza ngalo ilati inxa zonke.

13 Ba m nika umnikelo wokutyiswa, izito zawo, nenhloko; wa ku tyisa elatini.

14 Wa hlanza umbilini, namanqina, wa ku tyisa emnikelweni elatini.

15 Wa leta umnikelo wabantu, wa tabata impongo yomnikelo wesono, eyabantu, wa i hlaba, wa i nikela i be umnikelo wesono, njengowokuqala.

16 Wa leta umnikelo wokutyiswa, wa u nikela njengomteto.

17 Wa leta umnikelo wempupu, wa capuna kuwo, kwa gwala isandhla, wa ku tyisa elatini, ngapandhle komnikelo wokutyiswa wokusa.

18 Wa hlabala itole nenqama, ku be umhlathelo wokutula, o ngowabantu; amadodana ka Aroni a m nika igazi, wa fafaza ngalo ilati inxa zonke;

19 Amafuta etole nawenqama, nomsila, namafuta ambesa umbilini, nezinsu, namanoni a pezu kwesibindi,

20 Ba beka amafuta pezu kwezifuba, wa wa tyisa amafuta elatini;

21 uAroni wa zulisa izifuba nomlenze wokunene, ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova, njengokutyoko kuka Mosi.

22 uAroni welulela izandhla zake kubantu, wa ba busisa, wehla e se nikelumnikelo wesono, nomnikelo wokutyiswa, nemiinikelo yokutula.

23 uMosi noAroni ba ngena etabanekele lokuhlangana, ba buya ba puma ba busisa abantu.

24 Kwa puma umlilo pambi kuka Jehova, wa qeda umnikelo wokutyiswa namafuta elatini; se be ku bonile abantu bonke, benabela, ba kotama ngobuso.

### ISAHLUKO 10.

**K**EPA uNadabi noAbihu, amadodana ka Aroni, ba tabata bobabili amapeni abo omililo, ba faka umlilo kuwo, ba beka impepo kuwo, ba nikela pambi kuka Jehova umlilo onqatyelweyo, a nga ba yalaelanga wona.

2 Kwa puma umlilo kuJehova, wa ba qeda ba fa pambi kuka Jehova.

3 Kona uMosi wa ti kuAroni, Loku ku iko a ku tyoyo uJehova, wa ti, Ngi ya kungeweliswa ibo abasondela kimi; ngi ya kudunyiswa pambi kwabantu bonke, uAroni wa tula.

4 uMosi wa biza uMishali noElza-

fani, amadodana ka Uzieli, uyisekazi ka Aroni, wa ti kubo, Sondelani ni suse abafu wenu pambi kwendawo engewele, ni ba kipele ngapandhle kwekamu.

5 Ba sondela, ba ba susa bembete amatuniki abo, ba ba kipela ngapandhle kwekamu, njengokutyo kuka Mosi.

6 uMosi wa ti kuAroni, na kuEleazari, na ku Itamari, amadodana ake, Ni nga susi izigqoko emakanda, ni nga hxebuli izivato zenu, funa ni fe, behlelwe ulaka abantu bonke; kepa abafu wenu, indhlu yonke ka Israeli, a ba lilele ukutya a ku pembileyo uJehova.

7 Ni nga pumi emnyango wetabanekele lokuhlangana, funa ni fe: ngokuba ku kona kini amafuta okugecoba ka Jehova. Benza njengezwi lika Mosi.

8 uJehova wa tyo kuAroni, wa ti,

9 U nga puzi iwaini, notywala obunamandhla, wena, namadodana ako, nxa ni ngena etabanekeleni lokuhlangana, funa ni fe; a ku be umteto omakade ezizukulwaneni zenu;

10 Ukuba nahlukanise okungewele nokungewele, okudungekileyo nokuhlambulukileyo,

11 Nokuba ni fundise abaka Israeli imiteto, a i tyiloyo uJehova kubo ngaye uMosi.

12 uMosi wa ti kuAroni, na kuEleazari na kuItamari, amadodana ake a seleyo, Tabatani umnikelo wempupu o seleyo emnikelweni kaJehova yomlilo, ni u dhle, u nga vutyelwe, ngaselatini, ngokuba kungewelengewele;

13 A no u dhla endaweni engewele, ngokuba u isabelo sako, nesabelo samadodana ako, eminikelweni kaJehova yomlilo; ngokuba ngi yaliwe kanjalo.

14 Isifuba sokuzuliswa, nomlenze wokuzuliswa a no ku dhla endaweni elihlanbulukileyo, wena, namadodana ako, namadodakazi ako; ngokuba ku isabelo sako, nesabelo samadodana ako, enabelwe emihlatyelweni yokutula yabaka Israeli.

15 A ba lete umlenze wokuzuliswa, nesifuba sokuzuliswa, kanye neminikelo yomlilo yamafuta, ku zuliswe ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova, ko ba okwako, nokwamadodana ako, ngomteto omakade; njengokutyo kuka Jehova.

16 uMosi wa funiswa impongo yomnikelo wesono; bheka, ya i tyisiwe; wa ba tukutelela Eleazari noItamari, amadodana ka Aroni, a seleyo, wa ti,

17 A ni dhlanga ngani umnikelo wesono endaweni engewele, loku u ngewelengewele; ni u piwe ukuba ni twale ukona kwesizwe, ni si hlaulele pambi kuka Jehova.

18 Bheka, igazi lawo a li ngeniswanga pakati endaweni engewele; impela nga ni u dhllile endaweni engewele, njengokutyo kwami.

19 uAroni wa ti kuMosi, Bheka, namhla ba nikele umnikelo wabo wesono, nomnikelo wabo wokutyiswa, pambi kuka Jehova; ngehlelwe iloku okunje; uma be ngi dhllile umnikelo wesono namhla, nga be ngi za kwamkeleka pambi kuka Jehova na?

20 uMosi se e zwile loku, kwa ba ku hle emehlweni ake.

### ISAHLUKO 11.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi na kuAroni, wa ti kubo,

2 A no tyo kwabaka Israeli, ni ti, Loku ku iko okupilayo eni nga ku dhlayo kuzo zonke izilwane ezi semhlabeni.

3 Zonke ezahlukanisa inselo, ezi dabula inselo kabili, ezetyisayo kuzo izilwane, lezi ni nga zi dhla.

4 Kepa ni nga zi dhli lezi kwezetyisayo, na kwezahlukanisayo inselo; ikameleli, noma letyisa, a lahlukanisi inselo; li ngcolile kini.

5 Nembila, noma yetyisa, a yahlukanisi inselo; i ngcolile kini.

6 Nonogwaja, noma etyisa, kahlukanisi inselo; u ngcolile kini.

7 Nengulube, noma yahlukanisa inselo, i dabula inselo kabili, a yetyisi; i ngcolile kini.

8 Ni nga dhli inyama yazo, ni nga pati izidumbu zazo; zi ngcolile kini.

9 Lezi ni nga zi dhla kuzo zonke ezi semanzini; zonke ezi namapiko nezinecwewe, ezi semanzini, ezi solwandhle, nezi semifuleni, lezi ni nga zi dhla.

10 Kodwa zonke ezi nge namapiko nezinecwewe, ezi solwandhle, nezi semifuleni, kuzo zonke izilwane ezi semanzini, na kuzo zonke iziinto ezipilayo ezi semanzini, zo uengeka kini;

11 Zo nengeka kini; ni nga dhli inyama yazo; ni ya ku nengwa izidumbu zazo.

12 Konke oku nge namapiko nezinecwewe, oku semanzini, ko nengeka kini.

13 Na lezi ni ya kunengwa izo ezinyo-

nini; a zi nga dhliwa, zi ya nengeka; ukozi, noperesi, noazniya.

14 Nenqe, noaja ngezinhlolo zake;

15 Namagwabababa onke ngezinhlolo zawo;

16 Nentye, nesikova, neshakafi, no-nhloile ngezinhlolo zake,

17 Nesikovana, neshalaki, nesikova esikulu,

18 Netineshemeti, nekaati, nerakamu,

19 Nokasida, noanapa ngezinhlolo zake, nodukipati, nelulwane.

20 Izilwanyana zonke ezi namapiko ezi hamba ngezinyawo ezine zo nengeka kini.

21 Kepa lezi ni nga zi dhla kuzo zonke izilwanyana ezi hamba ngezinyawo ezine, ezi namanqina amabili ngapezu kwezinyawo, ukuba zeqe ngawo emhlabeni;

22 Lezi ni nga zi dhla kuzo; isikonyane ngezinhlolo zayo, namaboni ngezinhlolo zawo, namadiye ngezinhlolo zawo, nezintete ngezinhlolo zazo.

23 Kepa zonke ezinye izilwanyana ezi namapiko, zi nezinyawo ezine, zo nengeka kini.

24 Ni ya kuzingcolisa ngazo; bonke abapata izidumbu zazo bo ba ba ngecolile ku ze ku hlwe.

25 Nabo bonke aba twala uto lwezidumbu zazo ka ba hlanze izivato zabo, ba ngecolile ku ze ku hlwe.

26 Izidumbu zezilwane zonke ezahlukanisa inselo, zi nga i dabuli kabili, zi ngetyisi, zi ngecolile kini; bonke aba zi patayo ba ya kuba ba ngecolile.

27 Nazo zonke ezi hamba ngezinzwani, kuzo zonke izilwane ezi hamba ngezinyawo ezine; lezi zi ngecolile kini; o pata izidumbu zazo, u ya kuba o ngecolile ku ze ku hlwe.

28 No twala izidumbu zazo ka hlanze izivato zake, a be u ngecolile ku ze ku hlwe; zi ngecolile kini.

29 Na lezi zi ya kuba zi ngecolile kini kuzo zonke izilwanyana ezi vamayo emhlabeni; ucakide, nempuku, noxamu ngezinhlolo zake,

30 Nescillitya, nesiquzi, nentulo, nesibankwa, nonwabu.

31 Lezi zi ngecolile kini kuzo zonke izilwanyana; o zi patayo, se zi file, wo ba u ngecolile ku ze ku hlwe.

32 Konke ezi wa pezu kwako, se zi file, ko ba ku ngecolile; noma ku into yomuti, noma isivato, noma isikumba, noma isaka, noma intoni okusetyenzwa

ngayo, a ku fakwe emanzini, ku be ku ngecolile ku ze ku hlwe; kona ku ya ku hlambuluka.

33 Nezitya zonke zebumba, ezi wa kuzo, konke oku kuzo ko ba ku ngecolile, zi bulawe zona.

34 Nokudhla konke okudhliwayo, a fika kuko amanzi, ko ba ku ngecolile; nako konke oku puzwayo oku ku lezizitya ko ba ku ngecolile.

35 Nako konke, ezi wa kuko izidumbu zazo, ko ba ku ngecolile, noma iziko, noma isitofi, a ku bidhlizwe; ku ngecolile, ko ba ku ngecolile kini.

36 Kepa umtombo, nomgodi o namanzi amaningi, wo ba hlambulukile; ngadwa oku patayo izidumbu zazo, ko ba ku ngecolile.

37 Nxa izidumbu zazo zi wa kuyo imbeu yokuhlwanjelwa, eza kuhlwanjelwa, yo ba i hlambulukile.

38 Kepa uma ku telwa amanzi embewini, izidumbu zazo zi we kuyo, i ya kuba i ngecolile kini.

39 Nxa ku fa isilwane, eni si dhlayo, o si patayo isidumbu saso, wo ba u ngecolile ku ze ku hlwe.

40 Nodhlayo isidumbu saso, wo hlanza izivato zake, a be u ngecolile ku ze ku hlwe.

41 Izilwanyana zonke ezi nambuzela emhlabeni zo nengeka kini; a zi nga dhliwa.

42 Zonke izilwanyana ezi hamba ngesisu, nazo zonke ezi hamba ngezinyawo ezine, nazo zonke ezi vama izinyawo kuzo zonke izilwanyana ezi nambuzelayo emhlabeni, ni nga zi dhli, ngokuba ku nengeka.

43 Ni nga zenzi ukuba ni nengeke ngezilwanyana ezi nambuzelayo, ni nga zingcolisi ngazo, ni ze ni be aba ngecolile ngazo.

44 Ngokuba ngi nguJehova, uTixo wenu; ngako a no zingewelisa, ni be ngewe; ngokuba ngi ngewe; ni nga zingcolisi ngezilwanyana ezi nambuzelayo emhlabeni.

45 Ngokuba ngi nguJehova o ni kipi-leyo ezweni la sEgipite, ukuba ngi be uTixo wenu, ngako a ni be ngewe; ngokuba ngi ngewe.

46 Lo u ngumteto wezilwane, nowezinyoni, nowezilwane zonke ezi pilayo ezi hamba emanzini, nowezilwanyana zonke ezi nambuzelayo emhlabeni.

47 Ukuba kwahlukaniswe ezingcolileyo nezihlambulukileyo, nezilwane ezi-dhliwayo nezilwane ezi nga dhliwayo.



ISAHLUKO 12.

**UJEHOVA** wa tyo ku Mosi, wa ti.  
2 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Nxa umfazi e kulelwa, a zale umfana, wo hlala e ngeolile izinsuku ezi isikombisa; njengezinsuku zokungcola kwesifo sake wo hlala e ngeolile.

3 Ngosuku lwesishiyagalombili ka so-leke inyama yejwabu.

4 Kona wo hlala e segazini lokuhlambuluka izinsuku ezimashumi amatatu nantatu; a nga pati uto olungewele, a nga ngeni endaweni engewele, ku nga ka peli izinsuku zokuhlambuluka kwake.

5 Kodwa uma e zala intombazana, wo ba o ngeolile amasonto amabili, njenga sekungcoleni kwake, a hlale e segazini lokuhlambuluka kwake izinsuku ezimashumi a isitupa nesitupa.

6 Nxa se zi pelile izinsuku zokuhlambuluka kwake ngomfana, noma ngeintombazana, ka lete imvu e se nomnyaka munye, i be umnikelo wokutyiswa; nevukutu elitya, noma ihobe, li be umnikelo wesono, a ku lete emnyango wetabanekela lokuhlangana, kumpristi;

7 Yena a ku nikele pambi kuka Jehova, a m hlaulele, a ze a hlambuluke emtonjeni wegazi lake. Lo u ngumteto wa lowo o zalayo umfana, noma intombazana.

8 Uma e nge nakuleta imvu, a ka lete amahobe amabili, noma amavukutu amatya amabili; elinye li be umnikelo wokutyiswa, nelinye li be umnikelo wesono; umpristi a m hlaulele, a hlambuluke.

ISAHLUKO 13.

**UJEHOVA** wa tyo ku Mosi na ku Aroni, wa ti,

2 Nxa ku mila esikumbeni somzimba womuntu itumba, noma uqweqwe, noma ibala, ku be esikumbeni somzimba njengebala lobulepero, ka letwe ku Aroni, umpristi, noma komunye kuwo amadodana ake, abapristi;

3 Umpristi a bheke ibala eli sesikumbeni somzimba wake; nxa uboya obu sebaleni bu pendukile ba ba mhlope, nana ibala li tyonile, pansi kwesikumba somzimba wake ngokubona kwake, ku ibala lobulepero; umpristi ka m bheke, a tyo a ti, u ngeolile.

4 Kapa uma ibala li mhlope esikumbeni somzimba wake, li nga tyoni pansi kwesikumba ngokubona kwake, uboya

balo bu nga pendukile ba ba mhlope, kona umpristi ka m valele o nobulepero izinsuku ezi isikombisa;

5 Umpristi a buye a m bheke ngosuku lwesikombisa; bheka, uma ibala li mi ngokubona kwake, uma ibala li ngandi esikumbeni, umpristi ka buye a m valele ezinye izinsuku ezi isikombisa;

6 Umpristi ka buye a m bheke ngosuku lwesikombisa; bheka, uma ibala li mpofana, ibala li ngandi esikumbeni, umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile; li uqweqwe; ka hlanze izingubo zake, a hlambuluke.

7 Kapa uma uqweqwe lwanda esikumbeni, se e boniwe umpristi ukuba a hlambululwe, ka buye a bonwe umpristi;

8 Uma umpristi e bona ukuti, uqweqwe lu yanda esikumbeni, ka tyo umpristi a ti, u ngeolile; ku ubulepero.

9 Nxa ku mila ibala lobulepero kumuntu, ka yiswe kumpristi;

10 Umpristi ka m bone; bheka, uma intutumba i mhlope esikumbeni, i pendule uboya ba ba mhlope, noma ku kona ibala lenyama ebomvu entutumbeni;

11 Ku ubulepero obudala esikumbeni somzimba wake; umpristi ka tyo a ti, u ngeolile, a nga m valeli, ngokuba e ngeolile.

12 Uma ku mila ubulepero esikumbeni, ubulepero bu qeda isikumba sonke sake o nebala, ku qale ekanda ku ze ku fike ezinyaweni, ngokubona konke kumpristi;

13 Kona umpristi ka qonde; uma ubulepero bu qedile umzimba wonke wake, ka tyo a ti, u hlambulukile o nebala; u pendukile wa ba mhlope indawo zonke; u hlambulukile.

14 Kapa msukwana ku vela kuye inyama ebomvu wo ba u ngeolile.

15 Umpristi ka bone inyama ebomvu a tyo a ti, u ngeolile, ngokuba inyama ebomvu i ngeolile; ku ubulepero.

16 Noma inyama ebomvu i guquka, i penduke i be mhlope, a keze kumpristi;

17 Umpristi a m bheke; uma ibala li pendukile la ba mhlope, umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile.

18 Umzimba owa u nesilonda esikumbeni sawo, sa pola;

19 Kwa mila endaweni yesilonda intutumba emhlope, noma ibala elimhlope eli kanyayo; uma li bonwa umpristi,

20 Umpristi se e li bonile, uma ngokubona kwake li tyonile pansi kwesiku-

mba, uboya balo bu pendukile ba ba mhlope; umpristi ka tyo a ti, u ngo-lile; ku ibala lobulepero, li milile esilondeni.

21 Kepa uma umpristi e li bheka, a bone ukuti a bu ko uboya obumhlope kulo, li nga tyonile pansi kwesikumba, kepa li mpofu; kona umpristi ka m valele izinsuku ezi isikombisa,

22 Uma landa kakulu esikumbeni umpristi ka tyo a ti, u ngoilile; ku ibala lobulepero.

23 Kodwa uma ibala li mi endaweni yalo, li ngandi, li ubavu lwesilonda; umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile.

24 Nanxa ku kona esikumbeni somzimba isicatyana esatyayo uma isicatyana esatyayo si nebala eli kanyayo, noma li mhlope;

25 Umpristi ka li bheke; uma uboya obu sebaleni bu pendukile ba ba mhlope, ku nga ti bu tyonile pansi kwesikumba; ku ubulepero obu milile ebaleni ela tyayo; ngako umpristi ka tyo a ti, u ngoilile; ku ibala lobulepero.

26 Kepa uma umpristi e li bheka, a bone ukuti, a ku ko uboya obumhlope ebaleni, li nga tyoni pansi kwesikumba, li mpofana; umpristi ka m valele izinsuku ezi isikombisa;

27 Umpristi ka m bheke ngosuku lwesikombisa; uma kwandile esikumbeni, umpristi ka tyo a ti, u ngoilile; ku ibala lobulepero.

28 Kepa uma ibala li mi endaweni yalo, li ngandi esikumbeni, li mpofana; ku intutumba ebaleni ela tyayo; umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile; ngokuba ku ubavu olwa tyayo.

29 Nxa indoda, noma umfazi e nebala ekanda, noma esilevini,

30 Umpristi ka bone ibala; uma ngokubona kwake li tyonile pansi kwesikumba, li nezinwele ezincinyane ezi mpofu, umpristi ka tyo a ti, u ngoilile; ku umuna, ubulepero obu sekanda, noma obu esilevini.

31 Kepa uma umpristi e bheka ibala eli umuna, ku ti ngokubona kwake, li nga tyoni pansi kwesikumba, li nga bi nezinwele ezimnyama; umpristi ka m valele izinsuku ezi isikombisa;

32 Umpristi ka buye a bheke ibala ngosuku lwesikombisa; ko ti, uma umuna u ngandi, ku nga bi ko izinwele ezimpofu kuwo, ngokubona kwake umuna u nga tyoni pansi kwesikumba,

33 Ka zipucule, kepa a nga puculi

umuna, umpristi ka buye a m valele ezinye izinsuku ezi isikombisa;

34 Ngosuku lwesikombisa umpristi a buye a bheke umuna; ko ti, uma umuna u ngandi esikumbeni, ngokubona kwake u nga tyoni pansi kwesikumba, umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile; ka hlauze izivato zake a hlambuluke.

35 Kepa uma umuna wanda emva kokubhlanjululwa kwake,

36 Umpristi ka buye a m bheke, ko ti, uma umuna wandile esikumbeni, umpristi ka nga funi izinwele ezimpofu; u ngoilile.

37 Kepa ngokubona kwake uma umuna u se mi, ku milile kuwo izinwele ezimnyama, umuna u polile, u hlambulukile; umpristi ka tyo a ti, u hlambulukile.

38 Nxa indoda, noma umfazi e nama-bala esikumbeni somzimba wake, amabala e mhlope;

39 Umpristi ka bheke; ko ti, uma amabala a sesikumbeni somzimba wake e mpofana e mhlope; ku isitembuzane esi mlayo esikumbeni; u hlambulukile.

40 Nxa umuntu e pucukile ekanda u impandhla; u hlambulukile.

41 Naye o pucukile ekanda lake nga sebusweni, u impandhla nga sebusweni; u hlambulukile.

42 Nxa ku kona ebumpandhleri bekanda, noma ebumpandhleri bobuso, ibala elikanyayo; ku ubulepero obu milileyo ebumpandhleri bekanda lake, noma ebumpandhleri bobuso bake.

43 Umpristi ka li bheke; ko ti, uma intutumba yebala i mhlope i kanya ebumpandhleri bekanda lake, noma ebumpandhleri bobuso bake, njengokubonakala kobulepero esikumbeni somzimba;

44 U ilepero; u ngoilile; umpristi ka tyo a ti, u ngoilile impela; ibala lake li sekanda.

45 Ilepero, eli nebala, izivato zalo a zi lxetyulwe, ikanda lalo a lambulwe, a li mboze umlomo walo, li kale li ti, Ngi ngoilile, ngi ngoilile.

46 Izisuku zonke a nebala ngazo wo hlala e ngoilile; u ngoilile; wo hlala yedwa; indawo yokuhlala kwake a i be ngapandhile kwekamu.

47 Nesivato, esi nebala lobulepero, noma esoboya bezimvu; noma eselineni;

48 Noma li sezintanjani ezimiyo, noma li kwezivundhileyo, ezelineni, no-

ma ezoboya bezimvu; noma li sesikumbeni, noma li sentweni eyenziweyo ngesikumba;

49 Uma ibala li luhlaza, noma li bomvu esivatweni, noma esikumbeni, noma ezintanjeni ezimiyo, noma kwezivundhlileyo, noma entweni yesikumba; li ibala lobulepero, lo bhekwa umpristi.

50 Umpristi a ka bheke ibala, a i valele into e nebala izinsuku, ezi isikombisa;

51 A buye a bheke ibala ngosuku lwesikombisa; uma ibala landile esivatweni, noma ezintanjeni ezimiyo, noma kwezivundhlileyo, noma esikumbeni, noma entweni eyenziweyo ngesikumba; ibala li ubulepero obudhlayo; si ngcolile.

52 Ngako wo si tyisa isivato, noma izintambo ezimiyo, noma ezi vundhlileyo, noma ezoboya bezimvu, noma ezelineni, noma into yesikumba eli kuyo ibala; ngokuba li ubulepero obu dhlayo; a ku tyiswe ngomlilo.

53 Uma umpristi e bheka, ko ti, uma ibala li ngandile esivatweni, noma ezintanjeni ezimiyo, noma kwezivundhlileyo, noma entweni yesikumba;

54 Kona umpristi ka tyo ukuba ku hlanzwe esi nebala, a buye a si valele ezinye izinsuku ezi isikombisa;

55 Umpristi ka buye a bheke ibala, emva kokuhlanzwa kwalo; ko ti, uma ibala li nga pendulile umbala walo, ibala li ngandile; si ngcolile; a si tyiswe ngomlilo; ku ibala lobulepero, noma si qotukile ngapakati, noma ngapandhle.

56 Uma umpristi e bheka, ku ti, ibala li mpofana emva kokuhlanzwa kwalo, ka li hlutule esivatweni, noma esikumbeni, noma ezintanjeni ezimiyo, noma kwezivundhlileyo;

57 Uma li sa bonakala esivatweni, noma ezintanjeni ezimiyo, noma kwezivundhlileyo, noma entweni yesikumba; li yanda; yo tyiswa ngomlilo into e nebala.

58 Isivato, noma izintambo ezimiyo, noma ezivundhlileyo, noma intoni yesikumba e hlanzwayo, uma ibala li mukile kuyo, kona a ku pindwe ku hlanzwe ku hlambuluke.

59 Lo u ngumteto webala lobulepero esivatweni soboya bezimvu, noma eselineni, noma li sezintanjeni ezimiyo, noma li kwezivundhlileyo, noma entweni yesikumba, wokuba ku tyiwo ukuti, ku hlambulukile, noma ku tyiwo ukuti, ku ngcolile.

ISAHLUKO 14.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Lo u ngumteto welepero ngosuku lokuhlanjululwa kwalo;

3 Ka letwe kumpristi; umpristi ka pume ekamu; umpristi a m bheke, ko ti, uma ibala lobulepero li polile kulo ilepero;

4 Kona umpristi ka tyo ukuba a tatlwe yena o za ku hlanjululwa izinyoni ezimbili ezizwayo, ezihlambulukileyo, nomerezi, nokubomvu, nomezobi;

5 Umpristi ka tyo ukuba enye inyoni i hlatywe esityeni sebumba pezu kwamanzi aluhlaza;

6 Inyoni ezwayo a i tabate kanye nomerezi, nokubomvu, nomezobi, a fake lezizinto kanye nenyoni ezwayo egazini lenyoni e hlatyiweyo pezu kwamanzi aluhlaza;

7 A m fafaze kakombisa yena o za kuhlanjululwa kubo ubulepero, a tyo a ti, u hlambulukile, a yeke inyoni ezwayo i zihambele endhle.

8 O za kuhlanjululwa ka hlanze izivato zake, a pucule zonke izinwele zake, a geze ngamanzi, ukuba a hlambuluke; kona a keze ekamu, a hlale ngapandhle kwentente lake izinsuku ezi isikombisa.

9 Ko ti ngosuku lwesikombisa a pucule zonke izinwele zekanda lake, nesilevu sake, namashiya ake, a pucule zonke izinwele zake, a hlanze izingubo zake, a geze umzimba wake ngamanzi, wo ba e se hlambulukile.

10 Ngosuku lwesikombisa ka tabate izinqama ezimbili ezintya, ezi nge nacala, nemvu yesikazi e nomnyaka munye e nge nacala, nokweshumi okutatu kwefela lempupu enhle, i be umnikelo wempupu, u telwe amafuta, nelogi lamafuta.

11 Umpristi o za kumhlambulula ka m lete o za kuhlanjululwa na lezizinto pambi kuka Jehova, emnyango wetabanekele lokuhlangana;

12 Umpristi a tabate enye inqama, a i nikele, i be umnikelo wecala, kanye nelogi lamafuta, a ku zulise ku be umnikelo pambi kuka Jehova;

13 A hlabe inqama endaweni lapa e hlaba kona umnikelo wesono nomnikelo wokutyiswa, endaweni engewe; ngokuba umnikelo wecala u ngowmpristi njengomnikelo wesono; u ngewelegewe;

14 Umpristi a tabate igazi kuwo umnikelo wecala, umpristi a li beke esitinzini

sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na sozwanini olukulu lonyawo lwake lokunene;

15 Umpristi a tabate amafuta kulo ilogi lamafuta, a wa tele entendeni yesandhla sake sokohlo;

16 Umpristi a fake umunwe wake wokunene emafuteni a sesandhleni sokohlo, a fafaze ngawo pambi kuka Jehova kakombisa ngomunwe wake;

17 Umpristi a tabate amafuta kuwo a seleyo esandhleni sake, a wa beke esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na sozwanini lwake olukulu lokunene, egazini lomnikelo wecala;

18 Namafuta a seleyo esandhleni sompristi a wa beke ekanda lake o za kuhlanjululwa; umpristi a m hlaulele pambi kuka Jehova.

19 Umpristi a nikele umnikelo wesono, a m hlaulele yena o za kuhlanjululwa ku pele ukungeola kwake; a be se hlaba umnikelo wokutyiswa;

20 Umpristi a nikele umnikelo wokutyiswa nomnikelo wempupu elatini; umpristi a m hlaulele, a hlambuluke.

21 Kefa uma e mpofu, e nge nakuzuza loku, ka tabate inqama enye, i be umnikelo wecala, u zuliswe, a hlaulelwe, nokweshumi kweefa lempupu, i telwe amafuta, ku be umnikelo wempupu, nelogi lamafuta,

22 Namahobe amabili, noma amavuku amabili amatya, njengamandhla ake okuzuza, elinye li be umnikelo wesono, nelinye li be umnikelo wokutyiswa.

23 Ngosuku lweshiyagalombili lokuhlanjululwa kwake a wa letе kumpristi emhnyango wetabanekele lokuhlangana, pambi kuka Jehova.

24 Umpristi ka tabate inqama yomnikelo wecala, nelogi lamafuta, umpristi a ku zulise, ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova;

25 A hlabe inqama yomnikelo wecala, umpristi a tabate igazi kulo elomnikelo wecala, a li beke esitinzini sendhlebe yobunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na sozwanini olukulu lonyawo lwake lobunene;

26 Umpristi a tele amafuta entendeni yesandhla sake sokohlo;

27 Umpristi a fafaze ngamafuta a se-

sandhleni sake sokohlo kakombisa pambi kuka Jehova ngomunwe wake;

28 Umpristi a tabate amafuta kuwo a sesandhleni sake, a wa beke esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na sozwanini olukulu lonyawo lwake lokunene, endaweni yegazi lomnikelo wecala;

29 Namafuta a seleyo esandhleni sompristi ka wa beke ekanda lake o za ku hlanjululwa, a m hlaulele pambi kuka Jehova.

30 A nikele elinye ihobe; noma elinye ivukutu, njengamandhla ake okuwazuza;

31 Njengamandhla ake okuwazuza, elinye li be umnikelo wesono, elinye li be umnikelo wokutyiswa, kanye nomnikelo wempupu; umpristi a m hlaulele yena o za kuhlanjululwa pambi kuka Jehova.

32 Lo u ngumteto wake o nebala lobulepero, o nge nakuzuza loko a nga hlanjululwa ngako.

33 Ujehova wa tyo kuMosi na kuAroni, wa ti,

34 Nxa ni fikile ezweni la seKenani, engi ni nika lona li be izwe lenu, ngi tele ibala lobulepero endhlini ya sezweni lenu;

35 Keze umninindhlu, a tyo kumpristi a ti, Ngi bona ku nga ti ku kona ibala lobulepero endhlini;

36 Kona umpristi ka yale ukuba ku kitywe impahla endhlini, umpristi e nga ka ngeni ukubheka ibala, ukuba konke oku sendhlini ku nga ngeoli; kona umpristi ka ngene, a bheke indhlu;

37 A bheke ibala, ko ti, uma ibala li sezindongeni zendhlu, imitywe eluhlaza, noma ebomvu, ngokubona kwake i tyonile odongeni;

38 Kona umpristi ka pume endhlini, a ye emhnyango wendhlu, a i vale indhlu izinsuku ezi isikombisa;

39 Umpristi a buye eze ngosuku lwe sikombisa, a bheke; ko ti, uma ibala landile ezindongeni zendhlu,

40 Umpristi ka yale ukuba ku kitywe amatye eli kuwo ibala, a lahlwe ngapandhle komuzi, endaweni engeolileyo;

41 A ku palwe indhlu pakati inxa zonke; izibi ezipaliweyo zi telwe ngapandhle komuzi, endaweni engeolileyo;

42 Ku tatyatwe amanye amatye a be kwe endaweni ya lawomatye; ku tatyatwe nolunye udaka, ku huqwe indhlu.

43 Uma ibala li buya li vele endhlini, emva kokukitywa kwamatye, nokupalwa kwendhlu, nokuhluqwa kwayo;

44 Umpristi ka buye eze, a bheke, ko ti, uma ibala landile endhlini, li ubulepero obudhlayo endhlini; i ngcolile.

45 Ka i bidhlizwe indhlu, amatye ayo, nemiti yayo, nodaka lonke lwendhlu; ku kitywe emzini ku lahlwe endaweni engcolileyo.

46 Ongenayo endhlini ngesikati so-kuvalwa kwayo wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe.

47 No lele endhlini ka hlanze izivato zake, nodhlayo endhlini, ka hlanze izivato zake.

48 Uma umpristi e ngena, a li bheke, ku ti, uma ibala li ngandile endhlini, emva kokuhluqwa kwendhlu, kona umpristi, ka tyo a ti, indhlu i hlambulukile, ngokuba ibala li polile.

49 Ka tabate izinyoni ezimbili, nome-rezi, nokubomvu, nomezobi, ukuba a hlambulule indhlu;

50 A hlabе enye inyoni esityeni sebumba pezu kwamanzi aluhlaza;

51 A tabate umerezi, nomezobi, nokubomvu, nenyoni ezwayo, a ku fake egazini lenyoni e hlatyiweyo, na semanzini aluhlaza, a fafaze indhlu kakombisa;

52 A hlambulule indhlu ngegazi lenyoni, na ngamanzi aluhlaza, na ngenyoni ezwayo, na ngomerezi, na ngomezobi, na ngokubomvu;

53 Kepa a yeke inyoni ezwayo, i pume emzini, i zihambele endhle, a hlaulele indhlu; yo hlambululekile.

54 Lo u ngumteto wamabala onke obulepero nowomuna,

55 Nowobulepero besivato, nobendhlu, 56 Nowentutumba, nowoqweqwe, nowelala;

57 Ukuba ba fundiswe lapo ku ngcolile, na lapo ku hlambulukile; lo u ngumteto wobulepero.

ISAHLUKO 15.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi na kuAroni, wa ti,

2 A no tyo kwabaka Israeli, ni ti kubo, Nxa umuntu wesilisa e nokupuma emzimbeni wake, u ngcolile ngesipumo sake.

3 Loku ko ba ukungeola kwake ngesipumo sake, noma umzimba wake u vuza isipumo sake noma umzimba wake u nqamuka u nga vuzi isipumo sake, ku ukungeola kwake.

4 Imibede yonke, a lala kuyo yena o nesipumo, i ngcolile; nezinto zonke, a hlala kuzo, zi ngcolile.

5 O pata umbede wake wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe.

6 No hlala entweni, a e hlezi kuyo o nesipumo, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

7 No pata umzimba wake o nesipumo, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

8 Uma o nesipumo e m pimisela ohlambulukileyo amate, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

9 Izihlalo zonke, a hamba pezu kwazo o nesipumo, zi ngcolile.

10 O pata into eya i pansi kwake wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe; no twala lento wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

11 No patwa uye o nesipumo, e nga hlambile izandhla zake ngamanzi, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

12 Isitya sebumba, esi patwa uye o nesipumo, so bulawa; nesitya somuti so hlauzwa ngamanzi.

13 Nxa o nesipumo e hlanjululwa kuso isipumo sake, ka bale izinsuku ezi isikombisa ngokuhlanjululwa kwake, a hlanze izivato zake, a geze umzimba wake ngamanzi aluhlaza, a hlambuluke.

14 Ngosuku lwesishiyagalombili a tabate amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya, eze pambi kuka Jehova emnyango wetabanekela lokuhlangana, a wa nike umpristi;

15 Umpristi a wa nikele, elinye li be umnikelo wesono, elinye li be umnikelo wokutyiswa; umpristi a m hlaulele ngesipumo sake.

16 Nxa ku puma kowesilisa imbeu yokuzala wo geza umzimba wonke wake ngamanzi, a hlale e ngcolile ku ze ku hlwe.

17 Izingubo zonke, nezikumba zonke oku kuzo imbeu yokuzala, zo hlanzwa ngamanzi, zi hlale zi ngcolile ku ze ku hlwe.

18 Nowesifazana e lala naye indoda i nembeu yokuzala, a ba geze ngamanzi bobabili, ba hlale be ngcolile ku ze ku hlwe.

19 Nxa owesifazana e nesipumo, isipumo sake si igazi emzimbeni wake, wo ba o ngeolile izinsuku ezi isikombisa; o m patayo wo hlala e ngeolile ku ze ku hlwe.

20 Izinto zonke a lala kuzo, e sa ngeolile, zo ba zi ngeolile; nezinto zonke a hlala kuzo zo ba zi ngeolile.

21 O pata umbede wake, wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngeolile ku ze ku hlwe.

22 O pata into a e hlezi kuyo wo hlanza izivato zake, a geze ngamanzi a hlale e ngeolile ku ze ku hlwe.

23 Uma ku umbede wake, noma ku sentweni a hlala kuyo, nxa ku patwa umuntu wo hlala e ngeolile ku ze ku hlwe.

24 Uma umuntu e lala naye, a telwe ukungcola kwake wo ba o ngeolile izinsuku ezi isikombisa; nombede wonke a lala kuwo, wo ba u ngeolile,

25 Nxa owesifazana e nesipumo segazi lake izinsuku eziningi, zi nga bi ezokungcola kwake, nanxa ku puma ku dhlu-le isikati sokungcola kwake, zonke izinsuku zesipumo sokungcola kwake zo ba njengezinsuku zokuhlala kwake yedwa; wo ba u ngeolile.

26 Imibede yonke a lala kuyo izinsuku zonke zesipumo sake yo ba kuye njengombede wokungcola kwake izinto zonke a hlala kuzo zo ba zi ngeolile, njengokungcola kokuhlala kwake yedwa.

27 O pata lezozinto wo ba u ngeolile, ka hlanze izivato zake, a geze ngamanzi, a hlale e ngeolile ku ze ku hlwe.

28 Kepa uma e hlambulukile kuso isipumo sake, ka zibalele izinsuku ezi isikombisa, emva kwaloku a be hlambulukile.

29 Ngosuku lwesishiyagalombili ka tabate amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya, a wa lete kumpristi, emnyango wetabanekele lokuhlangana.

30 Umpristi a nikele elinye li be umnikelo wesono, nelinye li be umnikelo wokutyiswa; umpristi a m hlaulele pambi kuka Jehova ngesipumo sokungcola kwake.

31 Kanjalo ni ya kwahlukanisa abaka Israeli nokungcola kwabo, ukuba ba nga fi ekungcoleni kwabo, lapo be ngeolisa itabanekele lami eli pakati kwabo.

32 Lo u ngumteto wake o nesipumo, nowake okupuma kuye imbeu yokuzala, a ze a ngeoliswe ngako;

33 Nowake o gula ngokungcola kwake,

nowake o nesipumo, owesilisa nowesifazana, nowake o lala naye o ngeolileyo.

ISAHLUKO 16.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi emva koku kufa kwamadodana amabili ka Aroni, e nikelwa pambi kuka Jehova a fayoy; 2 Wa ti uJehova kuMosi, Yityo ku-Aroni umfo wenu, ukuba a nga ngeni ngezikati zonke endaweni engeweke, pakati kwalo iveli, pambi kwesisibekelo.

3 uAroni ka ngene endaweni engeweke e na loku, kokuti, itole li be umnikelo wesono, nenqama i be umnikelo wokutyiswa.

4 Ambate ituniki elingeweke lebadi, a fake ibulukwe lebadi, a bince ibande lebadi, a fake isigqoko sebadi; lezi zi izivato ezingeweke; ngako ka geze umzimba wake ngamanzi, a zambate.

5 A tabate esizweni sabaka Israeli izimpongo ezimbili ezimbuzini, zi be umnikelo wesono, nenqama i be umnikelo wokutyiswa.

6 uAroni ka nikele itole, oku ngelake, lomnikelo wesono, a zihlambele yena nendhlu yake.

7 A tabate izimpongo ezimbili lezi, a zi beke pambi kuka Jehova, emnyango wetabanekele lokuhlangana.

8 uAroni a kenze inkato ngazo izimpongo, enye i be eka Jehova, enye i be eka Azazeli.

9 uAroni a lete impongo e dhliwa inkato ka Jehova, a i nikele i be umnikelo wesono.

10 Kepa impongo e dhliwa inkato ka Azazeli a i bekwe pambi kuka Jehova, i sezwa, ukuba ku hlalulwe ngayo, i yekwe i ye ehlane i be e ka Azazeli.

11 uAroni a lete itole, o ku ngelake, lomnikelo wesono, a zihlaulela yena nendhlu yake, a hlabe itole, o ku ngelake, lomnikelo wesono.

12 A tabate ipeni li geweke amalahlwe ondlilo a selatiui pambi kuka Jehova, nezandhla zake zi geweke impepo e qoliweyo i gayekile, a ku lete pakati kweveli;

13 A beke impepo emlilweni pambi kuka Jehova, ukuba ifu lempepo lembese isisibekelo esi pezu komteto, ukuba a nga fi;

14 A tabate igazi letole, a fafaze ngalo ngomunwe wake isisibekelo ngasempumalanga, na ngapambili kwesisibekelo a fafaze ngegazi kakombisa ngomunwe wake.

15 Kona ka hlabe impongo yomnikelo wesono, eyabantu, a lete igazi layo pakati kweveli, enze ngalelogazi njengaloku wenza ngegazi letole, a fafaza ngalo isisibekelo na ngapambili kwesisibekelo;

16 A hlaulele indawo engeweke ngokungcola kwabaka Israeli, na ngokuhlubuka kwabo na ngezono zabo; a kenzele njalo itabanekela lokuhlangana eli hleziyo pakati kokungcola kwabo

17 A ku nga bi ko muntu etabanekeleni lokuhlangana lapo e ngena ukuhlula endaweni engeweke, a ze a buye a pume, e se zihlaulele yena, nendhlu yake, nesizwe sonke sa kwaIsraeli.

18 A pume a ye elatini eli pambi kuka Jehova, a li hlaulele; a tabate igazi letole, negazi lempongo a li beke ezimpondweni zelati inxa zonke.

19 A li fafaze ngegazi ngomunwe wake kakombisa, a li hlanbulule, a li ngewelise ekungeoleni kwabaka Israeli.

20 E se qedile ukuhlula indawo engeweke yetabanekela lokuhlangana, nelati, ka nikele impongo ezwayo;

21 uAroni a beke izandhla zake zozibili enhlokweni yempongo ezwayo, a vuma pezu kwayo amacala onke abaka Israeli, nokweduka konke kwabo ngezono zonke zabo, a zi beke enhlokweni yempongo, a i mukise ngomuntu ofanelayo, i ye ehlane;

22 Impongo i twale izono zonke zabo, i ye nazo ezweni eli ngakiwe; a i yeke impongo ehlane.

23 uAroni a buye a ngena etabanekeleni lokuhlangana, a kumule izivato zake zebadi, a zambatayo e sa ngena endaweni engeweke, a zi shiye kona;

24 A geze umzimba wake ngamanzi endaweni engeweke, ambate izivato zake, a pume a nikele umnikelo wake wokutyiswa, nonnikelo wabantu wokutyiswa, a zihlaulele yena, nabantu.

25 A tyise elatini amafuta omnikelelo wesono.

26 Yena o wa yeke impongo i be e ka Azazeli, ka hlanze izivato zake, a geze umzimba wake ngamanzi, a buye a ngenekamu.

27 Itole lomnikelo wesono, nempongo yomnikelo wesono, igazi lazo la ngeniswa ukuba ku hlalwe endaweni engeweke, a zi kityelwe ngapandhle kwekamu, ku tyiswe ngomlilo izikumba zazo, nnyama yazo, nobulongwe bazo.

28 O zi tyisayo ka hlanze izivato zake,

a geze umzimba wake ngamanzi, anduba a ngene ekamu.

29 Loku a ku be kini umteto opakade, wokuti ngenyanga yesikombisa ngosuku lweshumi lwenyanga, a no zitobisa, ni nga sebenzi umsebenzi, noma owakini, noma owezizwe owakileyo kini.

30 Ngokuba ngalolosuku umpristi wo ni hlaulela, a ni hlambulule, ni ze ni hlambuluke kuzo zonke izono zenu pambi kuka Jehova.

31 Ko ba kini isabata lokupumula; a no zitobisa, ngomteto opakade.

32 Umpristi, o za kugecotywa, a miswe a be umpristi esikundhleni sika yise, ka hlaule, ambate izivato zebadi, izivato ezi-  
ngeweke;

33 A hlaulele indawo engeweke; a hlaulele itabanekela lokuhlangana, nelati, a hlaulele abapristi, nabantu bonke besizwe.

34 Loku ko ba kini umteto opakade, ukuba ku hlaulelwe abaka Israeli ngezono zonke zabo kanye ngomnyaka. Wenza njengokutyo kuka Jehova ku-Mosi.

#### ISAHLUKO 17.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,  
2 Yityo kuAroni na kuwo amadodana ake na kubo bonke abakaIsraeli, u ti kubo; Loku ku iko a ku yalayo uJehova, ukuti,

3 Umuntu wa kwaIsraeli o hlaba inkomo, noma imvu, noma imbuzi, ekamu, noma e hlaba ngapandhle kwekamu,

4 A nga i leti emnyango wetabanekela lokuhlangana, ukuba a nikele umnikelo kuJehova pambi kwetabanekela lika Jehova, wo ba necala legazi lowomuntu; u citile igazi; lowomuntu wo nqunywa kwabakubo;

5 Ukuze abaka Israeli ba lete imihlatyelo yabo, aba i hlabayo endhle, ba i lete kuJehova, emnyango wetabanekela lokuhlangana, kumpristi, ba i hlabe, i be imihlatyelo yokutula kuJehova.

6 Umpristi a fafaze ngegazi ilati lika Jehova, eli semnyango wetabanekela lokuhlangana, a tyise amafuta, a be ipunga elimnandi kuJehova.

7 U ku nga sa yi kubuya, ba hlabele amademoni imihlatyelo, aba pinga nawo. Loku ko ba umteto opakade kubo ezizukulwaneni zabo.

8 U ti kubo, umuntu wa kwaIsraeli, noma owezizwe, owakileyo kini, o nikelamnikelo, noma umhlatyelo,

9 E nga u leti emnyango wetabanekela

lokuhlangana, ukuba a u nikele kuJehova; lowo muntu wo nqunywa kwabakubo.

10 Nomuntu wa kwaIsraeli, noma owezizwe, owakileyo kini, o dhlayo igazi; ngi ya kumbheka lowonuntu o dhlayo igazi, ngi m nqume kwabakubo.

11 Ngokuba umpefumlo womzimba u segazini; ngi ni nikile lona elatini ukuhlaulela imipefumlo yenu; ngokuba ku igazi eli hlaulela ngompefumlo.

12 Ngako nga ti kwabaka Israeli, A ku nga bi ko muntu kini o dhlayo igazi, nowezizwe owakileyo kini a nga dhli igazi.

13 Nomuntu wabaka Israeli, noma owezizwe, owakileyo kini, o ziugelayo a bambe isilwane, noma inyoni e dhliwayo, ka eite igazi layo, a li fulele ngomhlabati.

14 Ngokuba li umpefumlo wenyama yonke; igazi layo li umpefumlo wayo; ngako nga ti kwabaka Israeli, Ni nga dhli igazi lenyama; ngokuba umpefumlo wenyama yonke u igazi layo; o li dhlayo wo nqunywa.

15 Na lowomuntu o dhlayo into ezifelayo, noma into ehxetyuliweyo, uma ku ngowakini, noma owezizwe, ka hlanze izivato zake, a geze ngamanzi a be o ngecolile ku ze ku hlwe; a buye a hlabuluke.

16 Kepa uma e nga zi hlanzi, e nga gezi, wo ba necala.

### ISAHLUKO 18.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Ngi nguJehova uTixo wenu.

3 Ni ngenzisi okwemisebenzi yezwe la sEgipite, ena hlala kulo; ni ngenzisi okwemisebenzi yezwe la seKenani, engi ni yisa kulo; ni nga hambu ngemikuba yabo.

4 A nenze imiyalo yami, ni geine imiteto yami, ni hambe ngayo; ngi nguJehova uTixo wenu.

5 Ngako a no geina imiteto yami nemiyalo yami: uma umuntu e yenza wo pila ngayo; ngi nguJehova.

6 A ku nga sondeli muntu kowakubo ukwambula ubunqunu bake; ngi nguJehova.

7 U ngambuli ubunqunu buka yihlo, ubunqunu buka nyoko; u unyoko, u ngambuli ubunqunu bake.

8 U ngambuli ubunqunu bomka yihlo; ku ubunqunu buka yihlo.

9 U ngambuli ubunqunu bodade wenu, indodakazi ka yihlo, noma indodakazi ka nyoko, noma e zelwe kini, noma e zelwe ngapandhle; u ngambuli ubunqunu babo.

10 U ngambuli ubunqunu bendodakazi yendodana yako, nobendodakazi yendodakazi yako; u ngambuli ubunqunu bawo; ngokuba obawo bu ubunqunu bako.

11 U ngambuli ubunqunu bendodakazi yomka yihlo, e zelwe uyihlo, u udade wenu, u ngambuli ubunqunu bake.

12 U ngambuli ubunqunu bodade wabo ka yihlo; u isihlobo sika yihlo.

13 U ngambuli ubunqunu bodade wabo ka nyoko; ngokuba u isihlobo sika nyoko.

14 U ngambuli ubunqunu bomfo wabo ka yihlo, u nga sondeli kumkake; u unyokokazi.

15 U ngambuli ubunqunu bomalokazana, u umka ndodana yako; u ngambuli ubunqunu bake.

16 U ngambule ubunqunu bomka mfo wenu; ku ubunqunu bomfo wenu.

17 U ngambuli ubunqunu bomfazi nendodakazi yake; u nga tabati indodakazi yendodana yake, nendodakazi yendodakazi yake, ukwambula ubunqunu bayo; ngokuba e ngowakubo; ku ububi.

18 U nga tabati udade wabo womkako ukwambula ubunqunu bake, u be umkako kanye naye, e se kona yena, u ze u m hluphe.

19 U nga sondeli kumfazi ukwambula ubunqunu bake e se ngecolile ngokungcola kwake.

20 U nga lali nomfazi wake owakelene naye ukuzingcolisa ngaye.

21 U nga nikeli imbeu yako kuMoleki; u nga tuki igama lika Tixo wako; ngi nguJehova.

22 U nga lali nowesilisa njengokulalwa nowesifazana; ku ya nengeka.

23 U nga lali nesilwane ukuzingcolisa ngaso; nowesifazana ka ngeni pambi kwesilwane ukuba a lale naso; ku ngamanyala.

24 Ni nga zingcolisi ngalezizinto; ngokuba izizwe engi zi xotya pambi kwenu; zi ngecolile ngazo zonke lezizinto;

25 Izwe li ngecolile; ngako ngi li lahla ngokona kwalo; izwe li ya hlauza abantu balo.

26 Ngako geinani imiteto yami nemiyalo yami, ni ngenzi lezizinto ezinenge-



kayo, noma owakini, noma owezizwe owakileyo kini;

27 (Ngokuba zonke lezizinto ezine-ngekayo ba zenzile abantu ba lelizwe, aba be kona pambi kwenu, izwe li ngcolile;)

28 Ukuba izwe li nga ni hlanzi, ni sa li ngcolisa, njengaloku la hlanza izizwe eza zi kona pambi kwenu.

29 Ngokuba lowo owenzayo lezizinto ezinengekayo, abantu aba zenzayo bo nqunywa kwaba kubo.

30 Ngako geinani umteto wami, ukuba ni ngenzi lemikuba enengekayo, eyenziwa ni nga ka fiki, ni nga zingcolisi ngayo; ngi nguJehova uTixo wako.

ISAHLUKO 19.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kuso sonke isizwe sabaka Israeli, u ti kubo, A ni be ngewele ngokuba ngi ngewele mina Jehova uTixo wenu.

3 Hlonipani ku be ilowo unina, noyise, ni geine amasabata ami; ngi nguJehova uTixo wenu.

4 Ni nga pendukeli kuzo izitombe, ni nga zenzeli otixo abapekiweyo; ngi nguJehova uTixo wenu.

5 Nxa ni hlaba umhlatyelo wokutula kuJehova, a no u hlabela uJehova ukuba namkelwe.

6 Ka u dhliwe ngosuku eni u hlaba ngalo, na ngangomso, kepa okuseleyo ku ze ku fike usuku lwesitatu ko tyiswa ngomlilo.

7 Uma ku dhliwa neze lawo ngosuku lwesitatu, ku ya kunengeka, a ku yi kwamkelwa.

8 Ngako o ku dhlayo u ya kuba necala, ngokuba e kweisa okungewele kuka Jehova; wo nqunywa kwabakubo.

9 Nxa ni vuna amabele enu, u nga vuni u qede ukuvuna emagunjini ensimu yako, u nga kotozi ensimini yako.

10 U nga kotozi esivinini sako, u nga buti izinhlamvu zesivini sako ezi sele ngazinye; wo zi shiyela abampofu nabezizwe; ngi nguJehova uTixo wenu.

11 Ni ngebi, ni nga kohlisani, ni nga qambelani amanga.

12 Ni nga fungeli igama lami amanga; u nga tuki igama lika Tixo wako; ngi nguJehova.

13 U nga dhli owakelene nawe u nga m pangi; imali yesisebenzi a i nga hlali kuwe ubusuku ku ze ku se.

14 U nga tuki isitulu, u nga beki isi-

kubekiso pambi kwempumpute; yesaba uTixo wako; ngi nguJehova.

15 Ni ngoni nxa ni teta amacala; u nga bheki ompofu; u nga meli omkulu; kepa u tete icala lowakelene nawe ngokulunga.

16 U nga hambahambi u qamba amanga ebantwini bakini; u nga meli igazi lowakelene nawe ukuba u m lahle; ngi nguJehova.

17 U nga m zondi umfo wenu ngenhliziyo yako; wo luleka owakelene nawe, u nga bi nasono ngaye.

18 U nga pindisi, u nga hlali u tuku telele abantwana babantu bakini, wo tanda owakelene nawe njengokuzitanda kwako; ngi nguJehova.

19 Geinani izimiso zami. U ngenzi izilwane zako zi zekwe ezolunye uhlobo; u nga hlwanyeli ensimini yako imbeu e xubene nenye; u ngambati ingubo yendwangu e xutyaniweyo.

20 Nxa umuntu e lala nowesifazana e isigqili, e ingodusi, e nga hlengiwe, e nga kululiwe ngesihle, ka ba tyaywe, ba nga bulawa, ngokuba e nga kululekile.

21 Ka lete umnikelo wake wecala kuJehova, emnyango wetabanekela lokuhlangana, inqama i be umnikelo wecala.

22 Umpristi ka m hlaulele ngenqama yomnikelo wecala pambi kuka Jehova ngesono a sonileyo, a tetelelwe isono sake a sonileyo.

23 Nxa ni fikile ezweni, ni tyalile imiti yonke edhliwayo, a no ti izitelo zayo ezokungasoki; iminyaka emitata a zi be ezokungasoki kini; zi nga dhliwa.

24 Kepa ngomnyaka wesine izitelo zonke zayo zo ba ngewele zokubonga uJehova.

25 Ngomnyaka wesine ni nga zi dhla izitelo zayo, i ze i ni telele kakulu; ngi nguJehova.

26 Ni nga dhli into negazi layo; ni nga buli, ni nga bheki imihlola.

27 Ngi nga gundi amakanda enu emacaleni ni wa zungeze, u ngoni isilevu sako emacaleni.

28 Ni nga zisiki imizimba yenu ngenxa yabafileyo, ni nga zilobi amabala; ngi nguJehova.

29 U ngoni indodakazi yako ngokuyenza isifebe, ukuba izwe li ngenzi ubufebe, izwe li gewele ukona.

30 Geinani amasabata ami, ni hlonipe indawo yami engewele; ngi nguJehova.

31 Ni nga bheki izanusi, ni nga funi izinyanga, ni ze ni ngcoliswe izo; ngi nguJehova.

32 Suk ume pambi kwempunga, u hlo-nipe ubuso bomuntu omdala, u m esabe uTixo wako; ngi nguJehova.

33 Uma owezizwe e hlala nawe ezweni lakini, ni nga m hlupi.

34 Owezizwe o hlala kini ka be nje-ngowakini, wo m tanda njengokuzitanda kwako; ngokuba be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

35 A ni ngoni ngokwahlula, na ngokulinganisa ubukulu bento, na ngokulinganisa ubunzima bento, na ngokulinganisa okumanzi.

36 No ba nezikalo ezilungileyo, nezilinganiso ezilungileyo, neefa elilungileyo, nehini elilungileyo; ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite.

37 Ngako geinani imiteto yami, nemi-yalo yami, ni yenze; ngi nguJehova.

#### ISAHLUKO 20.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Lowo, noma e ngowa kwabaka Israeli, noma owezizwe o hlala kwaIsraeli, o nikela imbeu yake kuMoleki, ka bulawe impela, abantu ba sezweni ka ba m kande ngamatye.

3 Ngi ya kubheka lowomuntu, ngi m nqume kwabakubo; ngokuba e nikele imbeu yake kuMoleki, wa za wa ngcolisa indawo yami engeweke, wa tuka igama lami elingeweke.

4 Uma abantu be cimeza amehlolo abo, ba nga boni lowomuntu lapo e nikela imbeu yake kuMoleki, ba nga m bulali;

5 Kona ngi ya kumbheka lowomuntu, nabendhlu yake, ngi m nqume kwabakubo nabo bonke abamlandelayo ukuba ba pinge, ukuba ba pinge noMoleki.

6 Na lowo o hambela kwaba izanusi na kuzo izinyanga ukuba a pinge nabo; ngi ya kubheka lowomuntu, ngi m nqume kwabakubo.

7 Ngako zingewelisani, ni be ngeweke; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.

8 A no geina imiteto yami, ni yenze; ngi nguJehova o ni ngewelisayo.

9 Nxa umuntu e tuka uyise nonina, ka bulawe impela; u tukile uyise nonina; igazi lake li ya kuba pezu kwake.

10 Nomuntu opingayo nomfazi womunye umuntu, opingayo nomfazi wake

owakelene naye, abapingayo, indoda nomfazi, a ba bulawe impela.

11 Nomuntu o lala nomka yise wambulile ubunqunu buka yise; a ba bulawe impela bobabili; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

12 Uma umuntu e lala nomalokazana, a ba bulawe bobabili impela; benzile amanyala; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

13 Uma indoda i lala nowesilisa njengokulalwa nowesifazana benzile okunengekayo bobabili; a ba bulawe impela; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

14 Uma umuntu e tabata umfazi nonina wake, ku ukona; a ba tyiswe ngomlilo yena nabo; ukuba ku nga bi ko ukona kini.

15 Uma umuntu e lala nesilwane, ka bulawe, so bulawa nesilwane.

16 Uma owesifazana e sondela esilwaneni ukuba a lala naso, ka bulawe owesifazana kanye nesilwane; a ku bulawe kokobili impela; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

17 Uma umuntu e tabata udade wabo, intombi ka yise, noma intombi ka nina, a bone ubunqunu bake, naye a bone ubunqunu bake, ku into embi; a ba nqunywe pambi kwabakubo; wambulile ubunqunu bodade wabo; u ya kuba necala.

18 Uma umuntu e lala nowesifazana, e nokungeola kwake, ambule ubunqunu bake; u vezile umtombo wake, naye wambululile umtombo wegazi lake; a ba nqunywe bobabili kwabakubo.

19 U ngambuli ubunqunu buka dade wabo ka nyoko, nobuka dade wabo ka yihlo; ngokuba u yambulula owakubo; ba ya kuba necala.

20 Uma umuntu e lala noninakazi, wambululile ubunqunu buka yisekazi; ba ya kuba necala; ba ya kufa be nge namtwana.

21 Uma umuntu e tabata umfazi womfo wabo; ku ukungeola; wambululile ubunqunu bomfo wabo; ba ya kuhlala be nge namtwana.

22 Ngako geinani imiteto yami nemi-yalo yami, ni yenze, ukuba izwe, engi ni yisa kulo ukwaka, li nga ni hlauzi.

23 Ni nga hambi ngemikuba yezizwe, engi zi xotya pambi kwenu; ngokuba benza zonke lezizinto, ngako nga ba zonda.

24 Kepa ngi tyilo kini, nga ti, Ni ya kudhla izwe labo, ngi ya kuninika lona,

li be elenu, izwe eli vama ubisi nezi-nyosi; ngi nguJehova o nahlukanisileyo nabanye abantu.

25 Ngako a nahlukanise izilwane ezihlambulukileyo nezingcolileyo, neziinyoni ezihlambulukileyo nezingcolileyo; ni nga zingcolisi ngesilwane, na ngeenyoni, na ngento e nambuzelayo emhlabeni, engi zahlukanisileyo nani, ngati zi ngcolile.

26 A no ba ngewele kimi; ngokuba mina Jehova ngi ngewele; ngi nahlukanisile nabanye abantu, ukuba ni be abami.

27 Uma owesilisa noma owesifazana, e umlozi, noma e isanusi, ka bulawe impela; a ba kandwe ngamatye; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

### ISIAHLUKO 21.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, Yityo kubapristi, amadodana ka Aroni, u ti kubo, A ku nga bi ko o zingcolisayo ngabafileyo ba kubo;

2 Kepa ngabakubo, aba izihlobo zake, ukuti, ngonina, na ngoyise, na ngendodana yake, na ngendodakazi yake, na ngomfo wabo,

3 Na ngodade wabo, e intombi, e isihlobo sake, e nge nandoda; a nga zingcolisa ngaye.

4 A nga zingcolisi, loku e isikulu kwabakubo, a ze a zeise.

5 Ba nga zenzi ba be izimpandhla, ba nga puculi isilevu emacaleni, ba nga zisiki emzimbeni.

6 Bo ba ngewele kuTixo wabo, ba nga li tuki igama lika Tixo wabo; ngokuba be nikela iminikelo yolibo ka Jehova, ukudhla kuka Tixo wabo; ngako bo ba ngewele.

7 Ba nga tabati umfazi o isifebe, nowonakeleyo, ba nga tabati umfazi o lahliweyo indoda; ngokuba e ngewele kuTixo wake.

8 Ngako u m gewelise; ngokuba e nikela ukudhla kuka Tixo wako; wo ba ngewele kuwe, ngokuba ngi ngewcle mina Jehova o ni ngewelisayo.

9 Indodakazi yompristi, uma i zona i be isifebe, i yona uyise; a i tyiswe ngomlilo.

10 Umpristi omkulu kubafo wabo, owa telwa ngamafuta okugecoba ekanda, o miselwe ukwambata izivato, ka ngambuli ikanda lake, a nga hxebuli izivato zake;

11 Ka nga ngeni kumuntu ofileyo, a nga zingcolisi ngenxa ka yise nonina.

12 A nga puni endaweni engewele, a ngoni indawo engewele kuTixo wake; ngokuba ukumisa kwamafuta okugecoba ka Tixo wake ku pezu kwake; ngi ngu-Jehova.

13 Ka tabate intombi i be umkake.

14 Umfelokazi, nomfazi o lahliweyo, nowonakeleyo, no isifebe, a nga ba tabati laba; kepa ka tabate intombi kubantu ba kubo i be umkake.

15 Ka ngoni inzalo yake ebantwini bake; ngokuba mina Jehova ngi m ngewelisile.

16 UJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

17 Yityo kuAroni, u ti, Uma umuntu wa senzalweni yako ezizukulwaneni zayo e isilima, ka nga sondeli ukunikela ukudhla kuka Tixo wake.

18 Ngokuba lowo o isilima ka nga sondeli, noma e impumputi, noma e unyonga, noma o mpumulo etyonileyo, noma e isilima ngesito,

19 Noma e ingini ngonyawo, noma e ingini ngesandhla,

20 Noma e isifumbu, noma e isitombe, noma e qubukile, noma e nomuna, noma e isilima ngamasende;

21 Umuntu o isilima wa senzalweni ka Aroni umpristi ka nga sondeli ukunikela iminikelo yomlilo ka Jehova; u isilima, ka nga sondeli ukunikela ukudhla kuka Tixo wake.

22 A nga dhla ukudhla kuka Tixo wake, loko oku ngwelengewele na loko oku ngewele.

23 Kepa ka nga ngeni kulo iveli, a nga sondeli elatini, ngokuba e isilima, ukuba a ngoni oku ngewele kwami, ngokuba mina Jehova ngi ya ba ngewelisa.

24 uMosi wa m tyela uAroni, namadodana ake, nabo bonke abaka Israeli.

### ISIAHLUKO 22.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kuAroni na kuwo amadodana ake ukuba ba nga pati oku ngewele kwabaka Israeli, ba ngeise igama lami ngokupata loko aba ngi ngewelisele kona; ngi nguJehova.

3 Yityo kubo u ti, Lowo wa senzalweni yenu, ezizukulwaneni zenu o sondeleyo ezintweni ezingewele, abaka Israeli aba zi ngewelisele uJehova, e sa ngecolile, lowomuntu ka nqunywe, a nga bi ko ebusweni bami; ngi nguJehova.

4 Owa senzalweni ka Aroni o ilepero, noma e nesipumo, ka nga dhli oku ngewele, e nga ka hlambuluki. Nopa-

tayo okungcolileyo ngofileyo, nomuntu okupuma kuye imbeu yokuzala;

5 Nopatayo isilwanyana esinambuzelayo; a nga ngcoliswa ngaso, nomuntu a nga ngcoliswa ngaye, nokungcola ku-ni kwake;

6 Okupatayo wo hlala e ngcolile ku ze ku hlwe; a nga dhli oku ngewe, uma e nga gezi umzimba ngamanzi.

7 Lapo li tyonile ilanga wo hlambuluka, a be se ya dhla okungewe; ngokuba ku ukudhla kwake.

8 Isilwane esizifelayo nesihxetyuliweyo a nga si dhli ukuzingcolisa ngaso; ngi nguJehova.

9 Ngako a ba geine umteto wami, ukuba ba nga bi nasono, ba fe ngaso, nxa be weisa; ngi nguJehova o ba ngeweli-sayo.

10 Owezizwe a nga dhli okungewe; ohambelayo kumpristi, nosebenzela imali, a nga dhli oku ngewe.

11 Kepa uma umpristi e tenga umuntu ngemali yake, a nga ku dhla; nozalwe ekaya lake; ba nga dhla ukudhla kwake.

12 Uma indodakazi yompristi i gana kowezizwe a i nga dhli emnikelweni wokungewe.

13 Kepa uma indodakazi yompristi i umfelokazi, noma yahlukene nendoda, i nge namtwana, i buyele ekaya lika yise, njenga sebutyeni bayo, i nga dhla uku-dhla kuka yise; kepa owezizwe ka nga ku dhli.

14 Uma umuntu e dhla okungewe ngokungazi, wo kwenzela okwesihlanu kwako, a ku nike umpristi kanye noku-ngewe.

15 A ba nga kweisi okungewe kwa-baka Israeli aba ku nikelayo kuJehova;

16 Ba nga zitwesi ngokona lapo be dhla okungewe kwabo; ngokuba ngi nguJehova o ba ngewelisayo.

17 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

18 Yityo kuAroni, na kuwo amadodana ake, na kubo bonke abaka Israeli, u ti kubo, Umuntu wa kwaIsraeli, noma owezizwe o hleziyo kwa Israeli, o nikela umnikelo wake wokwetembisa kwake, noweminikelo yake yesihle, e nikelwa kuJehova, i be iminikelo yokutyiswa,

19 A no nikela ukuba namkelwe, iduna eli nge nacala lezinukomo, noma elezimvu, noma elezimbu.

20 Isilwane esi necala ni nga si nikeli, ngokuba a si yi kwamkelwa kini.

21 Onikela kuJehova umhlatelyo wo-

kutula, ukuba a feze isitembiso, noma umnikelo wesihle, ezinkomeni, noma ezimvini, wo hela ukuba wankeleke; u nga bi nacala;

22 Into e impumpute, neapukileyo ngesito, nelimeleyo, ne nentutumba, nequbukile, ne noqweqwe, ni nga nikeli lezi kuJehova, ni nga zi nikeli zi be umnikelo womlilo elatini kuJehova.

23 U nga nikela inkomo, noma imvu, e nesito esidhlulileyo, noma e nesito esincinyane, i be umnikelo wesihle, kepa u nge amkelwe uma u ngowesitembiso.

24 Ni nga nikeli kuJehova into ecindezeliweyo, nekandiweyo, neyapukileyo, nenqunyiweyo; ni ngenzi okunje ezweni lenu.

25 Ni ngamkeli okunje esandhlani sowezizwe ukuba ni nikele ukudhla kuka Jehova; ngokuba konakele, ku nama-cala; ku nge amkelwe kini.

26 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

27 Nxa ku zalwa inkomo, noma imvu, noma imbuzi, a i hlale kunina izinsuku ezi isikombisa, ko ti ngosuku lwesishiyagalombili na ngasemva, kona i ya kwamkeleka i be umnikelo womlilo kuJehova.

28 Noma ku inkomazi, noma imvukazi, a i nga hlatelya yona nenzalo yayo ngosuku lunye.

29 Nxa ni hlabela uJehova umhlatelyo wokubonga, u hlabeni ukuba namkeleke.

30 A u dhliwe ngalolosukuku; ni nga shiyi luto ku ze ku se; ngi nguJehova.

31 Ngako geitani imiyalo yami, ni yenze; ngi nguJehova.

32 Ni nga tuki igama lami; ngi ya ku ngeweliswa kwabaka Israeli; ngi nguJehova o ni ngewelisayo,

33 Owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi be uTixo wenu, ngi nguJehova.

#### ISAHLUKO 23.

UJEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Imihlangano ka Jehova eni ya kuime-ma i be imikosi engewe, le i imihlangano yami.

3 Ko setyenzwa izinsuku ezi isitupa; kepa usuku lwesikombisa lu isabata lokupumula, umkosi ongewe; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo; ku isabata lika Jehova ezindhlani zonke zenu.

4 Le i imihlangano ka Jehova, umkosi ongewe, eni ya kuime-ma ngezikati zayo.

5 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane kushlwa ku ipasika.

6 Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa leyonyanga ku umhlangano wesinkwa esi nga vutyelwe kuJehova; a no dhla isinkwa esi nga vutyelwe izinsuku ezi isikombisa.

7 Ngosuku lokuqala no ba nomkosi ongewe; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo.

8 Ni nikele kuJehova umnikelo womlilo ku be izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lwesikombisa ku umkosi ongewe; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo.

9 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

10 Yityo kwabakaIsraeli, u ti kubo, Nxa ni fika ezweni engi ni nika lona, ni vune amabele alo, kona a no leta kumpristi isitungu solibo lwanabele enu;

11 A si zulise isitungu pambi kuka Jehova ukuba nanikwelwe; umpristi a si zulise ngosuku olu landela isabata.

12 Ngosuku eni zulisa isitungu ngalo a no nikela inqama e nge nacala, e nomnyaka munye, i be umnikelo wokutiswa kuJehova.

13 Umnikelo wempupu wawo wo ba okweshumi okubili kweefa lempupu e telwa ngamafuta, u be umnikelo womlilo kuJehova, ku be ipunga elimnandi; nomnikelo wokupuza wawo u be okwesine kwehini lewaini.

14 Ni nga dhli isinkwa, nendhlosa, namabele a kandiweyo, ku nga ka fik<sup>1</sup> lolosuku eni nikela ngalo umnikelo kuTixo wenu; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu emizini yonke yenu.

15 A no bala, ni qala ngosuku olu landela isabata, ngosuku eni leta ngalo isitungu somnikelo wokuzuliswa; ko pelela amasabata a isikombisa;

16 Ku ze ku fike usuku olu landela isabata lesikombisa no bala izinsuku ezi mashumi amahlanu; no nikela umnikelo wempupu kuJehova.

17 Ni pume emizini yenu nezinkwa ezimbili zokuzuliswa zokweshumi okubili kweefa; a zi be ezempupu enhle, zi pekwe zi vutyelwe; zi ulibo luka Jehova.

18 Ni nikele kanye nesinkwa izinqama ezi isikombisa ezi nge nacala; ezi nomnyaka munye, netole, nezinqama ezimbili; zi be umnikelo womlilo kuJehova, kanye nomnikelo wazo wempupu, nemnikelo yazo yokupuza, umnikelo womlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

19 Ni hlabe impongo ya sezimbuzini i be umnikelo wesono, nezinqama ezimbili ezi nomnyaka munye zi be umhlanganyelo wokutula.

20 Umpristi a ku zulise kanye nezinkwa zolibo ku be umnikelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova; kanye nezinqama; zo ba ngewe kuJehova, zi be ezompristi.

21 A no mema ngalolosuku ukuba ni be nomkosi ongewe; ni nga sebenzi umsebenzi ngalo; a ku be umteto opakade emizini yonke yenu ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa ni vuna amabele ensimu yenu; u nga vuni u qede emagunjini ensimu yako; u nga kotozi amabele ensimini yako; o wa shiyela abampofu nabezi-zwe; ngi uguJehova uTixo wenu.

23 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

24 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwenyanga, a no ba nesabata, isikumbuzo sokwenanela; umkosi ongewe.

25 Ni nga sebenzi umsebenzi ngalo; a no nikela umnikelo womlilo kuJehova.

26 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

27 Kepa usuku lweshumi lwa lenyanga yesikombisa lu ngusuku lokuhlala; ko ba umkosi ongewele kini; a no tobisa imipefumlo yenu, ni nikele umnikelo womlilo kuJehova.

28 Ni nga sebenzi umsebenzi ngalolosuku; ngokuba lu ngusuku lokuhlala, lokunihlaulela pambi kuka Jehova uTixo wenu.

29 Lowo o nga totyiswa ngalolosuku u ya kunqunwa kwabakubo.

30 Na lowo o sebenza umsebenzi ngalolosuku, ngi ya kumbubisa lowo a nga hi ko kwabakubo.

31 Ni nga sebenzi umsebenzi; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu kuyo yonke imizi yenu.

32 Ko ba isabata lokupumula kinina; no tobisa imipefumlo yenu; ngosuku lwesishiyagalolunye lwenyanga, kushlwa, a no sonto isonto lenu, ku qale kushlwa ku ze ku buye ku hlwe.

33 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

34 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa lenyanga yesikombisa ko ba umhlangano wamadokodo kuJehova, ku be izinsuku ezi isikombisa.

35 Ngosuku lokuqala ko ba umkosi ongewe; ni nga sebenzi umsebenzi.

36 A ku be izinsuku ezi isikombisa

ni nikela kuJehova umnikelo womlilo; ngosuku lwesishiyagalombili ko ba kini umkosi ongewele; a no nikela kuJehova umnikelo womlilo; ku umhlangano ongewele; ni nga sebenzi umsebenzi.

37 Le i imihlangano ka Jehova eni ya kuimema i be imikosi ongewele, ukuba ku nikelwe kuJehova umnikelo womlilo, umnikelo wokutyiswa, nomnikelo wempupu, nomhlatyelo, neminikelo yokupuzwa, ku be ilowo ngosuku lwawo;

38 Ngapandhle kwamasabata ka Jehova, na ngapandhle kweminikelo yenu, na ngapandhle kweminikelo yenu yokwetembisa, na ngapandhle kweminikelo yenu yesihle, eni i nikelu kuJehova.

39 Kupa ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesikombisa, lapo ni sa buta izitelo zezwe, a no gcina umhlangano ka Jehova ku be izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lokuqala a ku be isibata na ngosuku lwesishiyagalombili ku be isibata.

40 Ngosuku lokuqala a no tabata izitelo zemiti ebukelayo, amagatya esundu, namagatya emiti eyenileyo, neminyezane yomfula; a ni tokoze pambi kuka Jehova uTixo wenu izinsuku ezi isikombisa.

41 Ni u gcine u be umhlangano kaJehova izinsuku ezi isikombisa ngomnyaka; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu; ni u gcine ngenyanga yesikombisa.

42 Ni hlale emadokodweni izinsuku ezi isikombisa; bonke aba ngabaIsraeli ngokuzalwa bo hlala emadokodweni;

43 Ukuba izizukulwane zenu zazi ukuti ngenza abaka Israeli ukuba ba hlale emadokodweni, lapo nga ba kipa ezweni la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

44 uMosi wa ba tyela abaka Israeli imihlangano ka Jehova.

#### ISAHLUKO 24.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kwabaka Israeli ukuba ba lete kuwe amafuta amahle emihlwati agxotyweyo a be awesibane, ukuba izibane zi vute njalonjalo.

3 uAroni a li lungise, e qala kusihlwa ku ze ku se ngapandhle kweveli lomteto-etabnekeleni lokuhlangana, pambi kuka Jehova njalonjalo; ko ba umteto opakade ezizukulwaneni zenu.

4 A lungise izibane kulo uti lwesibane esihle pambi kuka Jehova njalonjalo.

5 Tabata impupu enhle, u peke ngayo

izinkwana ezi ishumi nambili; isinkwana sinye si be nokubili kweshumi kweefa.

6 U zi hlele ngezinhlala ezimbili; ezi isitupa zi be kolunye uhla, kulo itebula elihle pambi kuka Jehova.

7 U beke ilebona elihle ezinhleni zombili, li be isikumbuzo esinkweni, umnikelo womlilo kuJehova.

8 Amasabata ngamasabata a si hlele pambi kuka Jehova njalonjalo, si vela kwabaka Israeli ngesivumelwano esipakade.

9 So ba esika Aroni nesamadodana ake; a ba si dhle endaweni ongewele; ngokuba si ngewelengewe kuye emnikelweni yomlilo ka Jehova ngomteto opakade.

10 Kwa ti indodana yomfazi wa kwa Israeli, uyise wayo e ngumEgipite, ya ya kwabaka Israeli; lendodana yomfazi wa kwa Israeli ya xabana nomIsraeli ekamu;

11 Indodana yomfazi wa kwa Israeli yeisa igama lika Jehova, ya tuka. Ba i leta kuMosi; (igama lika nina la li nguShelomiti, indodakazi ka Dibri, wesizwe sika Dani);

12 Ba i faka etilongweni ukuba bazi-swe izwi lika Jehova.

13 uJehova wa tyo kuMosi, wa ti,

14 M kipele ngapandhle kwekamu yena o tukileyo; bonke aba m zwayo a ba beke izandhla zabo ekanda lake, isizwe sonke a si m kande ngamatye.

15 Yityo kwabaka Israeli, u ti, O tukayo uTixo wake u ya kuba necala.

16 Oweisa igama lika Jehova ka bulawe impela, isizwe sonke a si m kande ngamatye impela; noma e ngowezizwe noma e ngowakini, nxa eisa igama lika Jehova, ka bulawe.

17 O bulala umuntu ka bulawe impela;

18 O bulala inkomo ka i koke; inkomo ngenkomo.

19 Nxa umuntu e m limaza owakelene naye, a kwenziwe kuye njengokwenza kwake;

20 Ukwapuka ngokwapuka, iso ngeso, izinyo ngezinyo; njengaloku e limazile umuntu a kwenziwe kuye.

21 O bulala inkomo ka i koke; o bulala umuntu ka bulawe.

22 A no ba nomteto munye ngowezizwe na ngowakini; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.

23 uMosi wa tyo kwabaka Israeli ukuba ba m kipe ekamu otukeleyo, ba m ka-

nde ngamatye. Abaka Israeli benza njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

ISAHLUKO 25.

**UJEHOVA** wa tyo kuMosi entabeni ya seSinai, wa ti,

2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Nxa ni fikile ezweni engi ni nika lona, izwe a li m geinele uJehova isabata.

3 Iminyaka e isitupa wo i lima insinuu yako, u tene isivini sako iminyaka e isitupa, u bute izitelo zaso;

4 Kepa umnyaka wesikombisa wo ba isabata lokupumula ezweni, isabata lika Jehova; u nga limi insinuu yako, u nga teni isivini sako.

5 Amabele ako a zimilelayo u nga wa vunni, u ugaki amavini esivini sako esi nga teniwe; ku umnyaka wokupumula ezweni.

6 Isabata lezwe lo ba ukudhla kwako, okwako, nokwesigqili sako, sesilisa nesefazana, nokwesisebenzi sako, nokwezizwe o hlezi kini,

7 Nokwezinkomo zako, nokwezilwane zako ezi sezweni lako, ukutela konke kwalo ko ba ukudhla.

8 Bala amasabata a isikombisa eminyaka, iminyaka e izikombisa ezi isikombisa izinsuku zamasabata a isikombisa emnyaka zo ba iminyaka e ngamashumi amane nesishiyagalolunye.

9 Ko tyaya itilongo lejubile ngosuku lweshumi lwenyanga yesikombisa, ngosuku lokuhlala wo tyaya itilongo ezweni lonke lenu.

10 A no ngewelisa umnyaka wamashumi a isihlanu, ni memezele ukukululeka ezweni kubo bonke abantu balo; wo ba owokujabula kini; ni ya kubuya ku be ilowo a buyele ezweni lake, ni buyele, ku be ilowo a buyele kwabakubo.

11 Lomnyaka wamashumi amahlanu wo ba owokujabula kini; ni nga limi, ni nga vunni okuzimilelayo ngawo, ni nga ki amavini awo esivini esi nga teniwe;

12 Ngokuba u ngowokujabula; wo ba ngeweke kini; ni ya kudhla izitelo zawo za sensimini.

13 Ngomnyaka wa lokukujabula ni ya kubuya, ku be ilowo a buyele ezweni lake.

14 Nxa u tengisa ngezwe kowakelene nawe, noma u tenga izwe kowakelene nawe, ni nga dhlani;

15 Ngokuma kweminyaka emva kokujabula wo li tenga kowakelene na-

we, na ngokuma kweminyaka yokutela ka tengise ngalo kuwe:

16 Ngobuningi beminyaka wo yandisa imali yalo, na ngobuncinyane beminyaka wo neipisa imali yalo; ngokuba ngobuningi beminyaka yokutela u ya, ku lianganisela intengo yalo.

17 A ni nga dhlani; yesaba uTixo wako; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.

18 A no yenza imiteto yami, ni geine imiyalo yami, ni yenze; kona ni ya kuhlala kahle ezweni.

19 Izwe li ya kutela izitelo zalo; ni ya kudhla ni sute, ni hlale kahle kulo.

20 Nxa ni ti, Si ya kudhlani ngomnyaka wesikombisa? loku si nga limi, si nga vunni ukudhla kwetu.

21 Kona ngi ya kunenzela inhlahlala ngomnyaka wesitupa, u ze u tele ukudhla kweminyaka emitatu.

22 Ni ya kulima ngomnyaka wesishiyagalombili, ni dhle ukudhla okudala ku ze ku fike umnyaka wesishiyagalolunye; ku ze ku fike izitelo zawo ni ya kudhla okudala.

23 A ku nga tengiswa ngezwe li ngamuke; izwe elami; ni ngabezizwe nabahambileyo kimi.

24 Ezweni lonke lenu a no vumela ukuba izwe li hlengwe.

25 Uma umfo wenu e mpofu, e tengisile ngezwe lake, owakubo eze ukulihlenga, ka li hlenga lona a tengisa ngalo umfo wabo.

26 Nxa e nga namuntu wokulihlenga, uma e tola amandhla okulihlenga,

27 Ka bale iminyaka iloku kwa tengiswa ngalo, a buyisele okudhlulayo kuyena a tengisa ngalo kuye; ukuba a buyele ezweni lake.

28 Kepa uma e nga toli amandhla okubuyisela intengo kuye, kona izwe a tengisa ngalo li ya kuhlala kuye owa li tengayo ku ze ku fike umnyaka wokujabula; ngomnyaka wokujabula li ya kupuma, wo buyela ezweni lake.

29 Nxa umuntu e tengisa ngendhlu emzini o biyelwe ngodonga, a nga i hlenga ku nga ka peli umnyaka iloku wa tengisa ngayo; a nga i hlenga ku nga ka peli izinsuku.

30 Kepa uma u pela umnyaka i nga ka hlengwa, kona leyondhlu e semzini o biyelwe ngodonga i ya kuba eyake owa i tengayo njalongo ezizukulwaneni zake; i nga pumi ngomnyaka wokujabula.

31 Kepa izindhlu zemizana e nga biyelwe ngodonga a zi be njengezwe; zi nga hlengwa, zo puma ngomnyaka wokujabula.

32 Kodwa imizi yabaLevi, izindhlu zemizi yefa labo, abaLevi ba nga zi hle-nga ngezikati zonke.

33 Uma ununtu e tenga kowabaLevi, indhlu a tengisa ngayo, e semzini wefa lake, yo puma ngomnyaka wokujabula; ngokuba izindhlu zemizi yabaLevi zi ifa labo pakati kwabaka Israeli.

34 Kepa izwe eli nga semizini yabo a ku nga tengiswa ngalo; ngokuba li ifa labo njalo.

35 Uma umfo wenu e ba mpofu, a pele amandhla e kini, wo m qinisa njengowezizwe, nohambileyo, ukuba a hlale nawe.

36 U nga tabati kuye inzuzo, nesandiso; kepa yesaba uTixo wako, ukuba umfo wenu a hlale nawe.

37 U nga m niki imali yako ngenzuzo, u nga m niki ukudhla kwako ngesandiso.

38 Ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi ni nike izwe la seKenani ngi be uTixo wenu.

39 Nxa umfo wenu o kuwe e ba mpofu, ku tengiswe ngaye kuwe, u nga m sebenzisi okwesigqili;

40 Ka be kuwe njengesisebenzi, nohambileyo, a sebenze kuwe ku ze ku fike umnyaka wokujabula;

41 Kona u ya kupuma kuwe, yena nabantwana bake, a buyele kwabakubo, a buyele ezweni la oyise.

42 Ngokuba ba izinceku zami, enga ba kipa ezweni la sEgipite; a ku nga tengiswa ngabo njengokutengiswa kwezigqili.

43 U nga m busi ngonya; yesaba uTixo wako.

44 Izigqili zesilisa nezesifazana o ya kuba nazo, wo zi tabata kwabezizwe aba hleziyo nani; izigqili zesilisa nezesifazana, no zi tenga kubona.

45 Na kubantwana babezizwe aba hlezi kini, ni nga tenga kubo, na kwabakubo aba kini, aba ba zala ezweni lenu; ho ba imfuyo yenu.

46 Ba ya kuba ifa lenu nelabantwana benu emva kwenu, ukuba ba be imfuyo yabo; ba ya kuba izigqili zenu ku ze ku be pakade; kepa abafu wenu, abaka Israeli ni nga ba busi ngonya.

47 Uma owezizwe, noma ohleziyo, e

fuyile kini, kepa umfo wenu owakelene naye e ba mpofu, a zitengise kowezizwe, noma kohleziyo kini, noma kowakubo wezizwe;

48 Emva kokuzitengisa kwake a nga buya a hlengwe; umfo wabo a nga m hlenga;

49 A nga m hlenga noma e uyisekazi, noma e indodana ka yisekazi, noma e ngowenzalo yake, owakubo; noma e tola amandhla a nga zihlenga.

50 Ka bale naye owa m tengayo, e qala ngomnyaka a zitengisa ngawo ku ze ku be umnyaka wokujabula; imali yentengo yake i ya kulinganiswa ngokuma kweminyaka; njengesikati sesebenzi, ko ba njalo kuye.

51 Uma ku sa sele iminyaka eminingi, ka linganise ngayo imali yokuhlengwa kwake, a i buyise emalini yentengo yake.

52 Uma ku sa sele iminyaka e incozana ku ze ku fike umnyaka wokujabula, ka bale naye, a buyise imali yokuhlengwa kwake, a i linganise ngeminyaka yake.

53 Ka hlale kuye njengokokelwayo ngomnyaka; a nga m busi ngonya pambi kwako.

54 Uma e nga hlengwa ngaloku, wo puma ngomnyaka wokujabula, yena nabantwana bake.

55 Ngokuba abaka Israeli be izinceku zami, ba izinceku zami, enga zi kipa ezweni la sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

## ISAHLUKO 26.

**N**I nga zenzeli otixo, nomia umfanekiso obaziweyo; ni nga zimiseli isitombe, ni nga beki isitombe setye ezweni lenu ukuba ni kuleke kuso; ngokuba ngi nguJehova uTixo wenu.

2 A no geina amasabata ami; ni hlo-nipe indawo engeweke yami; ngi nguJehova.

3 Uma ni hamba ngemiteto yami, ni geine imiyalo yami, ni yenze;

4 Kona ngi ya kuninika imvula ngesikati sayo; izwe li ya kutela nkudhla kwalo, nemiti ya sendhle i ya kutela isitelo sayo.

5 Ukubula kwenu ku ya kufinyelela ekuvunweni kwanavini, ukuvunwa kwamavini ku ya kufinyelela esikatini sokulima; ni ya kudhla ukudhla kwenu, nesute, ni hlale kahle ezweni.

6 Ngi ya kunika ukutula ezweni, ni



ya kulala ni ngesatyiswa muntu, ngi ya kuqeda izilo ezibi ezweni, inkemba i nga dhului ezweni lenu.

7 Ni ya kuxotywa izita zenu, zi ya kuwa ngenkemba.

8 Abahlanu kini ba ya kuxotywa ikulu, naba ikulu ba kini ba ya kuxotywa izinkulungwane ezi ishumi; izita zenu zi ya kuwa pambi kwenu ngenkemba.

9 Ngokuba ngi ya kunibheka ngi ni zalise, ngi nandise, ngi mise isivumelwano sami nani.

10 Ni ya kudhla okudala, okomileyo, ni ze ni kipe okudala ngenxa yokutya.

11 Ngi ya kumisa itabahekele lami pakati kwenu; umpfumlo wami a u yi kunengwa ini.

12 Ngi ya kuhamba pakati kwenu, ngi be uTixo wenu, ni be abantu bami.

\* 13 Ngi nguJehova uTixo wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ni nga bi izigqili zabo; ngapula amajokwe enu, ngenza ukuba ni hambe ngokululama.

14 Kodwa uma ni nga ngi laleli, ni ngenzi lemiyalo yonke;

15 Uma ni delela imiteto yami, uma umpfumlo wenu u nengwa izahlulo zamni, ni ze ni ngenzi yonke imiyalo yami; napule isivumelwano sami;

16 Nami ngi ya kwenza loku kini; ngi ya kunehliselela ukwesaba nokudhleka, nomkuhlane; ku ya kuqeda amehlo, kwenze umpfumlo u pele amandhla; imbeu yenu ni ya kuhlwaneyela ize, ngokuba izita zenu zi ya kuidhla.

17 Ngi ya kunibheka, ni ya kubulawa pambi kwezita zenu; aba ni zondayo ba ya kunibusa; ni ya kubaleka noma ni nga xotywa muntu.

18 Kepa uma ni nga ngi laleli na manje, ngi ya kubuya ngi ni tyaye kakombisa ngezono zenu.

19 Ngi ya kwapula ukuzidhla kwamandhla enu; ngi ya kwenza izulu lenu li be njengensimbi, nomhlabati wenu u be njengetusi;

20 Amandhla enu a ya kupela ngeze; izwe lenu a li yi kutela ukudhla kwalo; nemiti yezwe a i yi kutela izitelo zayo.

21 Uma ni pambana nani, ni nga ngi ngi laleli; ngi ya kubuya ngi nehlisele izinsizi zi pindwe kakombisa njengezono zenu.

22 Ngi ya kutuma pakati kwenu izilo za sendhle, ezi ya kunamuka abantwana benu, zi bulale izinkomo zenu, zi ni ncipise; a zi yi kuanjwa izindhlela zenu.

23 Uma ni nga lulekwa imi ngaloku, ni sa pambana nani;

24 Kona nami ngi ya kupambana nani, ngi ni tyaye kakombisa ngezono zenu.

25 Ngi ya kunehliselela inkemba, e ya kupindiselela isivumelwano sami; lapo se ni butene emizini yenu ngi ya kutuma isifo pakati kwenu; ni ya kunikelelwa esandhleni sezita zenu.

26 Lapo se ngapulile udondolo lwesinkwa senu, abafazi aba ishumi ba ya kipeka isinkwa senu eziko linye; ba buyise isinkwa senu ngokulinganisa; ni ya kudhla, ni nga suti.

27 Uma ni nga ngi laleli ngaloku, ni sa panibana nani;

28 Kona ngi ya kupambana nani ngolaka; ngi ya kubuya ngi ni tyaye kakombisa ngezono zenu.

29 Ni ya kudhla imizimba yamadodana enu, nemizimba yamadodakasi enu ni ya kuidhla.

30 Ngi ya kucita izindawo zenu ezipakemeyo, ngi gaule izitombe zenu, ngi lahle izidumbu zenu ezidunjini zotixo benu; umpfumlo wami u ya kunengwa ini.

31 Ngi ya kucita imizi yenu, ngi qede okungewele kwenu, a ngi yi kuhogela ipunga lenu elimandi.

32 Ngi ya kucita izwe; izita zenu ezi hlala kulo zi ya kumangala ngako.

33 Ngi ya kunihlakazela ezizweni, ngi kipele inkemba emva kwenu, izwe lenu li ya kuciteka, nemizi yenu i ya kuqedwa.

34 Kona izwe li ya kutokoza ngamasabata alo izinsuku zonke eli hlezi li citekile ngazo, ni se kona ezweni lezita zenu; kona izwe li ya kupumula, li tokoze ngamasabata alo.

35 Izinsuku zonke eli hlezi li citekile ngazo li ya kupumula, ngokuba li nga pumulanga ngamasabata enu, nxa ni sa hlezi kulo.

36 Kwabaseleyo ba kini ngi ya kwehliselela ukututumela ezinhliziyweni zabo be semazuteni ezita zabo; ba ya kuxotywa umsindo weqabuunga eli zanyazanyiswayo, ba baleke ngokungati ba balekele inkemba, ba we be nga xotywa muntu.

37 Ba ya kuwa, omunye pezu komunye okungati pambi kwenkemba, be nga xotywa muntu; a ni yi kuba nakuma pambi kwezita zenu.

38 Ni ya kububa kwabezizwe, ni ya kudhliwa izwe lezita zenu.

39 Abaseleyo ba kini ba ya kupela ngokona kwabo emazweni ezita zenu, na ngokona kwa oyise babo ba ya kupela ngako.

40 Uma be vuma ukona kwabo noko- na kwa oyise, namacala abo aba wenzi- leyo kimi, nokuti ba pambene nami,

41 Nokuti nami ngi pambene nabo, nga ba yisa ezweni lezita zabo; uma izi- nhliziyi zabo ezi nga sokile zi tobeka, uma be tokoza ngokutyaywa kwabo.

42 Kona ngi ya kukumbula isivume- lwano sami noJakobe, nesivumelwano sami noIsaka, nesivumelwano sami no- Abrahamama, ngi kumbule nezwe.

43 Izwe li ya kushiywa ibo, li tokoze ngamasabata alo, li sa hlezi li citekile, be nge ko kulo; ba ya kutokoza ngoku- tyaywa kwabo; ngokuba, yebo, ngoku- ba be delela iminyalo yami, na ngokuba umpufumlo wabo wa nengwa imiteto yami.

44 Kodwa noma kunjalo, se be kona ezweni lezita zabo; a ngi yi kubadela, a ngi yi kunengwa ibo, ngi ze ngi ba qe- de, ngapule isivumelwano sami nabo; ngokuba ngi nguJehova uTixo wabo.

45 Kepa ngenxa yabo ngi ya kuku- mbula isivumelwano sa okoko babo, enga ba kipa ezweni la sEgipite emehlweni abezizwe, ukuba ngi be uTixo wabo; ngi nguJehova.

46 Lezi zi izimiso, nemiya, nemi- teto, a yenzayo uJehova pakati kwake nabakaIsraeli entabeni ya seSinai nga- ye uMosi.

### ISAHLUKO 27.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi, wa ti, 2 Yityo kwabaka Israeli, u ti kubo, Nxa umuntu e tembisa ngesitembiso esi- tile, imipefumlo yo ba eka Jehova ngo- kulinganisa.

3 Ukulinganiswa kowesilisa o nemi- nyaka emashumi amabili ku ze ku be emashumi a isitupa, ukulinganiswa ko ba amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu, ngeshekeli lendawo engewe- le.

4 Uma ku ngowesifazana ukulinga- niswa ko ba amashekeli amashumi ama- tatu.

5 Uma e neminyaka emihlanu ku ze kube emashumi amabili, ukulinganiswa kowesilisa ko ba amashekeli amashumi amabili, okowesifazana ko ba amasheke- li a ishumi.

6 Uma e nenyanga ku ze ku be imi- nyaka e isihlanu, ukulinganiswa kowe-

silisa ko ba amashekeli a isihlanu esiliva okowesifazana ko ba amashekeli amata- tu esiliva.

7 Uma e neminyaka emashumi a isi- tupa nedhlulayo, uma ku ngowesilisa, ukulinganiswa kwake ko ba amashekeli a ishumi nesihlanu, nokowesifazana ko ba amashekeli a ishumi.

8 Kodwa uma e mpofu, e nge naku- tela a kulinganiselweyo, a keze kumprisi- ti, umpri- ti ka m linganisele; umpri- ti ka m linganisele ngokwamandhla ake owetembisayo.

9 Uma ku izilwane ezi nga nikelwa kuJehova, zonke lezi ezinikelwa umuntu kuJehova zo ba ngewele.

10 Ka nga zi guquli, ka nga zenani ngezinye, esihle ngesibi, esibi ngesihle; uma enana isilwane ngesilwane, sona na- so okwenanwa ngaso zo ba ngewele.

11 Uma ku isilwane esingcolileyo, esi nge nikelwe kuJehova, ka si lete isilwa- ne kumprisi;

12 Umpri- ti ka si linganise, noma sihle noma sibi; so ba ngokulinganisa ko- mpri- ti.

13 Kepa uma e si hlenga ka kwenge- zele okwesihlanu kwaso kuso isilinga- niso.

14 Nxa umuntu e ngewelisa indhlu yake i be ngewele kuJehova, umpri- ti ka i linganise, noma inhle noma inubi; yo ma ngokulinganisa komprisi.

15 Uma o i ngewelisayo e hlenga indhlu yake, ka kwengezele kuyo okwe- sihlanu kwemali yesilinganiso, yo ba eyake.

16 Uma umuntu e ngewelisa kuJehova inxenye yezwe lefa lake, ko linganiswa ngembeu yalo; ihomeri lembu yeparle a li be ngokulinganiswa amashekeli ama- shumi amahlanu esiliva.

17 Uma e ngewelisa izwe lake ngo- mnyaka wokujabula, ka li me ngesili- nganiso.

18 Kepa uma e ngewelisa izwe lake emva komnyaka wokujabula, umpri- ti ka m linganisele imali ngeminyaka ese- leyo ku ze ku fike umnyaka wokujabula, ko neityiswa isilinganiso.

19 Uma owa ngwelisayo izwe e li hle- nga ka kwengezele kulo okwesihlanu kwemali yesilinganiso, lo hlala li be elake.

20 Uma e nga hlengi izwe, noma e tengisa ngezwe komunye, a li sa yi ku- hlengwa.

21 Izwe, ekupumeni kwalo ngomnya-

ka wokutokoza, lo ba ngewele kuJehova, njengezwe eli ngeweliswayo; li ya kudhliwa umpristi.

22 Uma umuntu e ngwelisa kuJehova izwe a li tengileyo, eli nge silo izwe lefa lake,

23 Umpristi ka tyo kuye imali yesilinganiso ku ze ku fike umnyaka wokujabula; ka nike isilinganiso ngalolosuku, si be ngewele kuJehova.

24 Ngomnyaka wokujabula izwe li ya kubuyela kuyena ela tengwa kuye, kuyena owa li dhlayo ifa lezwe.

25 Ukulinganisa konke ko ba ngeshekeli lendawo engewele; amagira amashumi anabili a ishekeli.

26 Kepa izibulo lesilwane, li izibulo lika Jehova, a li nga ngweliswa muntu; noma li inkomo, noma li imvu, li nge lika Jehova.

27 Uma ku isilwane esingcolileyo, ka si kulule ngesilinganiso, a kwengezele kuso okwesihlanu kwaso; uma si nga hlengwa, a ku teugwe ngaso ngesilinganiso.

28 Kodwa a i ko into enikelweyo, umuntu a i nikelayo kuJehova, kuko

konke a nako, noma kubantu, noma ezilwaneni, noma ezweni lefa lake, oku nga tengiswa ngayo, i hlengwe; konke okunikelwayo ku ngwelengewele kuJehova.

29 A ku ko umuntu o nikelwayo o nga kululwa; u ya kubulawa impe-la.

30 Nokweshumi konke kwezwe, noma ku imbeu, noma ku izitelo zemiti, ku ngokuka Jehova; ku ingewele kuJehova.

31 Uma umuntu e hlenga okweshumi kwake, ka kwengezele kuko okwesihlanu kwako.

32 Nako konke okweshumi kwezinkomo nokwezimvu, konke oku dhlula pansi kwentonga, okweshumi ko ba ngewele kuJehova.

33 Ka nga hloli ukuba kuhle, nokuba kubi; ka nga kwenani ngokunye; uma e kwenana ngokunye, loko naloko a kwenana ngako ko ba ngewele; a ku nga hlengwa.

34 Le i imiyalo, uJehova a i yalela uMosi ngabaka Israeli entabeni ya seSinai.

INCWADI YESINI KA MOSI E TIWA

IMIBALO.

ISAHLUKO 1.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi ehlane laseSinai e setabanekeleni lenhlangano ngosuku lokuqala, lwenyanga yesibili, ngomnyaka wesibili se be kupukile, ezweni lasEgipite, e ti,

2 Bala umumo wenhlangano yonke yabakwa Israeli, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, umumo wamagama abo isilisa sonke ngezinhloko zaso.

3 Ku qale kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu, bonke aba nga ya empini ba kwa Israeli: wena noAroni no ba bala ngezimpi zabo.

4 Ko ba kona kini indoda ezizweni zonke, ku be ilowo a be inhloko endhlini ka yise.

5 Lawa a ngamagama amadoda a ya kuma nani; *esizweni* sakwa Rubeni, u Elizuri indodana ka Shaduri.

6 Kwa Simeoni, uShalumieli, indodana ka Zurishadi.

7 Kwa Juda, uNashoni indodana ka Aminadabi.

8 Kwa Isakari, uNataneli indodana ka Zuari.

9 Kwa Zebuloni, uEliabi indodana ka Heloni.

10 Kubantwana ba ka Josefa, kwa Efraimi, uElishama indodana ka Amihudi: kwa Manasa uGamalieli indodana ka Pedazuri.

11 Kwa Benjamini, uAbidani indodana ka Gideoni.

12 Kwa Dani, uAhieza indodana ka Amishadai.

13 Kwa Asheri, uPagieli indodana ka Okrani.

14 Kwa Gadi, uEliasafu indodana ka Deueli.

15 Kwa Naftali, uAhira indodana ka Enani.

16 Laba ba be abadumileyo benhlangano, amakosi ezizwe za oyise, ababusi

pezu kwezinkulungwane za kwa Israeli.

17 oMosi noAroni ba tata lamadoda a tyiwo ngamagama awo.

18 Bona ba hlanganisa ibandhla lonke, ngosuku lokuqala lwenyanga yesibili, ba tyo okoko babo ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise njengomumo wamagama abo ku suke kwa ba neminyaka emashumi mabili, naba ne ngapezulu, ngezinhloko zabo.

19 Njengokutyo kuka Jehova ku Mosi wa ba bala ehlane lase Sinai.

20 Aba kwa Rubeni izibulo lika Israeli ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu, bonke aba be nga ya empini.

21 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Rubeni ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesitupa namakulu a isihlanu.

22 Kwa ba kwa Simeoni ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise, labo ababalwayo kubo njengomumo wamagama abo, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

23 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Simeoni, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesihlayagalombili namakulu amatatu.

24 Kwa ba kwa Gadi, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise, njengomumo wamagama abo, kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili bonke aba be nga ya empini.

25 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Gadi, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa namashumi a isihlanu.

26 Kwa ba kwa Juda, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise, njengomumo wamagama abo kuqala, kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke ba be nga ya empini.

27 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Juda, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isitupa nane namakulu a isitupa.

28 Kwa ba kwa Isakari ngezizukulwane zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala, kwa ba neminyaka emashumi

mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

29 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Isakari, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nane namakulu amane.

30 Kwa ba kwa Zebuloni, ngezizukulwane zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be ya empini:

31 Laba ababalwayo besizwe sa kwa Zebuloni ba be izinkulungwane ezi amashumi a isikombisa nesikombisa namakulu amane.

32 Kwa ba kwa Josefa, o ku ukuti kwa ba kwa Efraimi ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini;

33 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Efraimi, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane namakulu a isihlanu.

34 Kwa ba kwa Manasa, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba be neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

35 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Manasa ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nambili namakulu amabili.

36 Kwa ba kwa Benjamini, ngezizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

37 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Benjamini, ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesihlanu namakulu amane.

38 Kwa ba kwa Dani, ngezizukulwane zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo, kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be ya empini.

39 Labo ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Dani, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isitupa nambili namakulu a isikombisa.

40 Kwa ba kwa Asheri ngezizukulwane zabo ngemindeni yabo ngendhlu ya

oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu, bonke aba be nga ya empini.

41 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Asheri, ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nanye namakulu a isihlanu.

42 Kwa ba kwa Naftali, ngezizukulwana zabo, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise njengomumo wamagama abo kuqala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

43 Laba ababalwayo kubo a besizwe sa kwa Naftali, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nantatu nama-kulu amane.

44 Laba i labo aba balwa uMosi no-Aroni nabakulu ba kwa Israeli, amadoda a ishumi nambili ku i leyó i mele indhlu ya oyise.

45 Njaloke bonke laba ababalwayo kwa ba kwa Israeli, ngendhlu ya oyise, ku qala kwa ba neminyaka emashumi mabili naba ne ngapezulu bonke aba be nga ya empini.

46 Bonke ababalwayo ba be izinkulungwane ezi amakulu a isitupa nantatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu.

47 Kodwa abaLevi, ngesizwe sa oyise a ba balwanga pakati kwabo,

48 Ngokuba uJehova wa be e tyilo ku Mosi, ukuti,

49 A wu yi kubala isizwe sa kwa Levi, u nga wu bali umumo waso pakati kwa ba kwa Israeli.

50 U ya kuba misela abaLevi itabanekele lemiteto nezitya zonke zalo, nezinto zonke zalo; ba ya kulitwala nazo zonke izitya zalo; ba li konze, ba ya kumisa ba li haqe itabanekele.

51 Ekusukeni kwetabanekele abaLevi ba ya kulisusa, ekumisweni kwalo li ya kumiswa abaLevi. O wezizwe o sonde-layo u ya kubulawa.

52 Abakwa Israeli ba ya kumisa amantente abo, ku be i lowo kwa ba kubo, ku be i lowo ngesibonakaliso sakubo ngamabandhla abo.

53 Kodwa abaLevi ba ya kumisa ba haqe itabanekele lemiteto ukuba ku nga bi ko ulaka ebandhleni laba kwa Israeli, AbaLevi ba ya kugcina itabanekele lemiteto.

54 Abakwa Israeli benza njengako konke uJehova a kutyo kuMosi, benze njalo.

## ISAHLUKO 2.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi noAroni e ti,

2 Abakwa Israeli ba ya kumisa amantente abo ku be ilowo kwa ba kubo ngesibonakaliso sendhlu ya oyise; ba ya kumisa kude netabanekele lenhlangano.

3 Nga sempumalanga ekupumeni kwe-langa ku ya kuti abe isibonakaliso sekamu la kwa Juda ba mise ngezimpi zabo, uNashoni indodana ka Aminadabi, u ya kuba induna ya ba kwa Juda.

4 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isikombisa nane namakulu a isitupa.

5 Nalaba aba ya kumisa ba landela bona isizwe sa kwa Isakari, uNataneli indodana ka Zuari, u ya kuba induna yaba kwa Isakari.

6 Nebandhla lake, nalaba ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi amahlanu nane namakulu amane.

7 Kwa landela isizwe sa kwa Zebuloni uEliabi indodana ka Heloni u ya kuba induna yaba kwa Zebuloni.

8 Ibandhla lake, nalaba ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesikombisa namakulu amane.

9 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Juda ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyagalombili nesitupa namakulu amane ngezimpi zabo. Laba ba ya kuma kuqala.

10 Ngaseningizimu ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Rubeni ngezimpi zabo. Induna ya ba kwa Rubeni i ya kuba u Elizuri indodana ka Shaduri.

11 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesitupa namakulu a isihlanu.

12 Nalaba aba ya kumisa ba landela bona isizwe sa kwa Simeoni; induna ya ba kwa Simeoni, i ya kuba u Shalumieli indodana ka Zurishadi.

13 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nesishiyagalombili namakulu amatatu.

14 Ku landele isizwe sa kwa Gadi: induna ya ba kwa Gadi i ya kuba uEli-asafu indodana ka Rueli.

15 Ibandhla lake nalabo ababalwayo

kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa namashumi a isihlanu.

16 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Rubeni ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isihlanu nanye namakulu amane namashumi a isihlanu, ngezimpi zabo; bona ba ya kupuma, ba be iviyo lesibili.

17 Be se ku puma itabanekele lenhlangano kanye nekamu labaLevi pakati kwamakamu. Ba ya kupuma bonke, ku be ilowo endaweni yake ngezibonakaliso zakubo, njengokumisa kwabo.

18 Ngasentyonalanga ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Efraimi nje ngezimpi zabo. Induna yaba kwa Efraimi i ya kuba uElishama indodana ka Amihudi.

19 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane namakulu a isihlanu.

20 Ku landele isizwe sa kwa Manasa. Induna yaba kwa Manasa i ya kuba uGamalieli, indodana ka Pedazuri.

21 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu namakulu amabili.

22 Ku landele isizwe sa kwa Benjaminini. Induna ya ba kwa Benjaminini i ya kuba uAbidani indodana ka Gideoni.

23 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesihlanu namakulu amane,

24 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Efraimi, ba be izinkulungwane ezi ikulu nesishiyagalombili nekulu ngezimpi zabo. Bona ba ya kupuma ba be iviyo lesitatu.

25 Isibonakaliso sekamu la kwa Dani, si ya kuba ngasenyakato ngezimpi zabo: Induna ya kwa Dani i ya kuba uAhieza indodana ka Amishadai.

26 Ibandhla lake, nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi a isitupa nesibili namakulu a isikombisa.

27 Nabo aba ya kumisa ba landele, isizwe sa kwa Asheri: Induna yaba kwa Asheri i ya kuba uPagieli indodana ka Okrani.

28 Ibandhla lake, nalabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi amashumi amane nanye namakulu a isihlanu.

29 Ku landele isizwe sa kwa Naftali. Induna yaba kwa Naftali i ya kuba uAhira indodana ka Enani.

30 Ibandhla lake nalabo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu nantatu namakulu amane.

31 Bonke ababalwayo ekamu la kwa Dani ba be izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isihlanu nesikombisa namakulu a isitupa; Ba ya kupuma ngase-mva nezibonakaliso zabo.

32 Laba i labo ababalwayo ba kwa Israeli ngendhlu ya oyise: bonke ababalwayo bamakamu emabandhleni abo ba be izinkulungwane ezi amakulu a isitupa nantatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu.

33 Kodwa abaLevi ababalwanga pakati kwa ba kwa Israeli njengokutyo kuka Jehova ku Mosi.

34 Aba kwa Israeli benza njengako konke uTixo a ku tyo ku Mosi; bemisa njengezibonakaliso zakubo, ba puma kanjalo, kwaba ilowo ngemindeni yakubo njengendhlu ya oyise.

### ISAHLUKO 3.

**L**EZI zi izizukulwane za oAroni noMosi ngosuku uJehova a kuluma ngalo noMosi e sentabeni ya seSinai.

2 Lawa amagama amadodana ka Aroni, uNadabi izibulo, noAbihu, noEleazari noItamari.

3 Lawa a amagama amadodana ka Aroni abapristi aba geotywayo abazandhla zabo zi gewalisa ukukonza.

4 uNadabi noAbihu ba fa pambi kuka Jehova, lapa ba nikela umlilo ongalingile pambi kuka Jehova ehlane lase Sinai, ba be nge nabantwana. oEleazari noItamari ba konza ebusweni buka Aroni uyise.

5 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

6 Sondeza isizwe sikaLevi u si mise pambi kuka Aroni umpristi ukuba si m konze.

7 Bona ba ya kungeinela ba gcinela nebandhla lonke pambi kwetabanekele lenhlangano ukukonza enkonzweni yetabanekele.

8 Ba ya kugcina yonke impahlala yetabanekele lenhlangano nokwa baka Israeli ukukonza enkonzweni yetabanekele.

9 U ya kuba nikela abaLevi kuAroni na kumadodana ake; ba ya nikelwa impela kuye pakati kwa ba Israeli.

10 U ya kumisa uAroni namadodana ake, bona ba ya kugcina inkonzo yobupristi, o wezizwe o sondelayo wo bulawa.

11 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,  
 12 Mina, bheka ngi kipile abaLevi pakati kwa ba kwa Israeli endaweni yamazibulo onke a zityulwa aba kwa Israeli: ngako abaLevi ba ya kuba abami.

13 Ngokuba onke amazibulo a wami: ngosuku e nga tyaya ngalo onke amazibulo ezweni laseEgipite nga za hlukanisela onke amazibulo a kwaIsraeli abantu na wezilwane; a za kuba a wami, ngi uJehova.

14 uJehova wa kuluma kuMosi e sehlane lase Sinai e ti,

15 Bala aba kwa Levi ngendhlu ya oyise; ngemindeni yabo, bonke abesilisa: ku qala kwa ba nenyanga ngobudala, naba nga pezulu u ya ku ba bala.

16 uMosi wa ba bala, njengezwi lika Jehova, njengokuyalwa kwake.

17 Laba ba be amadodana ka Levi ngamagama abo, uGershoni noKohati noMerari.

18 Lawa a ngamagama amadodana ka Gershoni ngemindeni yabo, uLibni noShimi.

19 Namadodana ka Kohati ngemindeni yawo uAmramu noIzhari noHebroni no Uzieli.

20 Namadodana ka Merari ngemindeni yawo; uMahli noMushi. Le imindeni ya kwa Levi, ngendhlu ya oyise.

21 Kwa Gershoni, kwa vela umdeni waba Libni nomdeni wamaShimi: Le imindeni yamaGershoni.

22 Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa ku qala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu, ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu.

23 Imindeni ya kwa Gershoni i ya kumisa ngasemva kwetabauekele ngasentyonalanga.

24 Induna yendhlu ka yise wamaGershoni i ya kuba uElisafu indodana ka Laeli.

25 Okwa geinwa ngawo amadodana ka Gershoni etabanekeleni lenhlangano, kwa ba itabanekele, netente loku li mboza, nesipanyiso somnyango wetabanekele lenhlangano.

26 Nezipanyiso zebala, nesipanyiso somnyango webala, esi nga setabanekeleni na nga selatini, nezintambo zaso kuyo yonke inkonzo yalo.

27 Kwa Kohati kwa vela umndeni wamaAmrami nomndeni wamaIzaha-

ri nomndeni wamaHebroni nomndeni wamaUzieli: Le imindeni ya kwa Kohari.

28 Emumweni wabesilisa bonke kuqala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi isishiyagalombili namakulu a isitupa abokugeina itabanekele.

29 Imindeni yaba kwa Kohati i ya kumisa ecaleni letabanekele eli ngasezingizimu.

30 Induna yendhlu ka yise wemindeni ka Kohati i ya kuba uElizafani indodana ka Uzieli.

31 Okogeinwa ibo ko ba umpongolo netafula, noti lwesibani, namalati nezitya zetabanekele aba konza ngazo nesipanyiso nako konke okwenkonzo yalo.

32 uEleazari indodana kaAroni u ya kuba omkulu pezu kwezinduna zabaLevi: a ba bheke abageina itabanekele.

33 Kwa Merari kwa vela umndeni wamaMahli nomndeni wamaMushi: Le imindeni ka Merari.

34 Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa bonke ku qala kwa ba nenyanga naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi isitupa namakulu amabili.

35 Induna yendhlu ka yise wemindeni kaMerari ya ba uZurieli indodana ka Abihaili. Laba ba ya kumisa ecaleni letabanekele ngasenyakato.

36 Okogeinwa amadodana ka Merari ko ba amapulankwe etabanekele nezinti zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, nezitya zonke zalo nako konke kokukonza.

37 Nezinsika zebala elizungezayo nezisekelo zazo nezikonkwane zazo nezintambo zazo.

38 Kodwa labo aba ya kumisa ngapambili kwetabanekele ngasempumalanga nga pambi kwetabanekele lenhlangano ngasempumalanga ko ba uMosi noAroni namadodana ake ba geine itabanekele ba geinele aba kwa Israeli owezizwe o sondelayo u ya kubulawa.

39 Bonke ababalwayo kubaLevi aba balwa uMosi noAroni ngokutyo ku ka Jehova ngemindeni yabo, bonke abesilisa ku qala kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nambili.

40 uJehova wa ti ku Mosi. Bala onke amazibulo esilisa kuba Israeli ku qale kwa ba nenyanga ngobudala naba nga pezulu u bale amagama abo.

41 U ya ku ngi tatela abaLevi (ngi ngu Jehova) endaweni yabo bonke aba mazibulo ba kwa Israeli nezinkomo zabaLevi endaweni yamazibulo pakati kwezinkomo zaba kwa Israeli.

42 uMosi wa bala onke amazibulo pakati kwa ba Israeli njengokutyo ku ka Jehova kuye.

43 Onke amazibulo abesilisa ngomumo wamagama abo kuqala kwa ba nenyanga ubudala nabanga pezulu, bona ababalwayo kubo ba he izinkulungwane ezi amashumi amabili nambili namakulu amabili namashumi amatatu neshumi nantatu.

44 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

45 Tata abaLevi endaweni yawo onke amazibulo aba kwa Israeli nezinkomo zabaLevi endaweni yezinkomo zabo, abaLevi ba ya kuba abami: ngi nguJehova.

46 Ku labo aba ya kwenanwa kwaba amakulu amabili namashumi a isikombisa nantatu bamazibulo aba kwa Israeli a ba dhlula abaLevi.

47 U ya kutata amashekeli a isihlanu ngamunye ngenbloko, u ya kuwatata njengeshekeli letabanekele: Ishekeli li ngamagera a amashumi amabili.

48 U ya kunika imali uAroni namadodana ake e yenane umumo wabo odhlulileyo.

49 uMosi wa tata imali yokwenana labo aba be dhlule ngobuningi abe nawa abaLevi.

50 Kumazibulo a kwa Israeli wa tata imali amashekeli a inkulungwane namakulu amatatu namashumi a isitupa nesihlanu njengeshekeli letabanekele.

51 uMosi wa i nika imali yabo aba be naniwe uAroni namadodana ake nje ngezwi lika Jehova; njengokutyo ku ka Jehova ku Mosi.

#### ISAHLUKO 4.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi nakuAroni, e ti,

2 Bala umumo wa ba kwa Kohati kwa ba kwa Levi ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise.

3 Ku qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku fike kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke aba ngenayo ebandhleni ukwenza umsebenzi wetabanekele lenhlangano.

4 Loku ku ya kuba umsebenzi waba

kwa Kohati etabanekele lenhlangano eziutweni ezi ingewele kakulu.

5 Ekusukeni kwekamu, ku ya kuza uAroni namadodana ake; behlise indwangu yokumboza, ba mboze umpongolo wemiteto ngayo.

6 Ba wembese na ngezikumba zamatahashi be ndhlale pezu kwawo indwangu e luhlaza ewe, ba fake izinti zawo.

7 Na pezu kwetebula lezinkwa zoku bhekela bendhlale indwangu e luhlaza, ba beke pezu kwayo izitya, nezinkezo namaboli nezindebe, nesinkwa semihla si bekwe pezu kwayo.

8 Bendhlale pezu kwalo indwangu e bomvu, ba yimboze yona ngezikumba zamatahashi, ba fake izinti zalo.

9 Ba ya kutata indwangu eluhlaza ba mboze uti lwesibani lokukanyisa, namakandelo alo, nezindhlawu zalo, nezitya zamalahle zalo, nezitya zonke zamafuta zalo, aba sebenza ngazo kulo.

10 Ba ya kulubeka nezitya zonke zalo, nga pansi kwezikumba zamatahashi, ba ku fake otini lokutwala,

11 Nga pezu kwelati legolide bendhlale indwangu eluhlaza ba yimboze ngezikumba zamatahashi ba fake izinti zalo.

12 Ba tabate yonke impahla yokukonza aba konza ngayo etabanekele; ba yi fake endwangwini eluhlaza ba yimboze ngezikumba zamatahashi ba yi fake otini lokutwala.

13 Ba kipe umlota elatini, ba mboze indwangu pezu kwalo.

14 Ba beke pezu kwayo zonke izitya zalo aba konza ngazo kulo, nezitya zokutyisela impepo, namabaxa enyama, namaboli, nezitya zelati zonke; ba yimboze ngezikumba zamatahashi, ba fake izinti zalo.

15 Lapo uAroni namadodana ake se be qedile ukumboza itabanekele nempahla yonke yalo ekusukeni kwekamu emva kwa loku aba kwa Kohati ba ya kuza ukulitwala; kodwa a ba yi kupata luto oluingewele funa ba fe. Loku ku umsebenzi waba kwa Kohati etabanekele lenhlangano.

16 Umsebenzi ka Eleazari indodana ka Aroni umpristi u ya kuba amafuta okukanyisa, nempemo emmandi, nomnikelo wemihla, namafuta okugeoba, nokubheka lonke itabanekele nako konke oku pakati kwalo na sezityeni zalo.

17 uJehova wa kuluma kuMosi nakuAroni e ti,



15 Ni nga si nqumi isizwe somndeni waba kwa Kohati pakati kwaba Levi.

19 Kodwa enzani nje kubo ukuba ba pile ba nga fi impela lapo be sondela ezintweni ezingewele kakulu: uAroni namadodana ake ba ya kungena, ba be mise, ku be ilowo emsebenzini wake, na semitwalweni wake.

20 A ba yi kungena ukubona lapo izinto eziyingewele zi mbozwa funa ba fe.

21 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,  
22 Bala umumo waba kwa Gershoni ngezindhlu za oyise ngemindeni yabo.

23 U ya kubabala u qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke ku be abangenayo enkonzweni, ukwenza umsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

24 Lo umsebenzi wemindeni waba kwa Gershoni, ukukonza, nokutwala.

25 Ba ya kwetwala izipanyiso zetabanekele, netabanekele lenhlangano, isimbozo salo, nesezikumba zamatahashi ezi nga pezu kwaso, nesipanyiso somnyango wetabanekele, lenhlangano.

26 Nezipanyiso zebala nesipanyiso somnyango wesango lebala eli nga setabanekeleni na selatini inxa zonke nezintambo zazo nempahla yonke yokusebenza kuzo nako konke okwenzelwa zona: Ba ya kusebenza konke.

27 Njengokutyo ku ka Aroni namadodana ake, ku ya kuba umsebenzi waba kwa Gershoni emitwalweni yonke yabo na semisebenzini yonke yabo, ni ya kubamisa ba gcine imitwalo yonke yabo.

28 Lo umsebenzi wemindeni ya kwa Gershoni etabanekeleni lenhlangano: Aba ku gcinayo ku ya kuba pansi kwesandhla sika Itamari indodana ka Aroni umpri.

29 Ku ti amadodana ka Merari u wa bale ngemindeni yawo, ngendhlu ya oyise.

30 U ya kuwabala ku qale kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke ku be abangenayo enkonzweni ukwenza umsebenzi wetabanekele lenhlangano.

31 Ploku aba ya ku kuceina komtwalo wabo, njengomsebenzi wabo wonke etabanekeleni lenhlangano, amaplankwe etabanekele, nezinto zalo, nezinsika zalo, nezisekelo zazo.

32 Nezinsika ezi zungeze ibala, nezisekelo zazo, nezikonkwane zazo, nezinta-

mbo zazo, kanye nempahla yonke yazo, nomsebenzi wonke wazo: ni bale impahla ngamagama aba yi gcinayo emtwalweni wabo.

33 Lo umsebenzi wemindeni yaba kwa Merari, njengomsebenzi wabo bonke etabanekeleni lenhlangano, opansi kwesandhla sika Itamari indodana ka Aroni umpri.

34 uMosi no Aroni nabakulu benhlangano ba bala aba kwa Kohati ngemindeni yabo nangendhlu ya oyise.

35 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu bonke aba ngenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

36 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isikombisa, namashumi a isihlanu.

37 Laba ibo ababalwayo kubo ngemindeni ya kwa Kohati, bonke aba nga sebenzayo etabanekeleni lenhlangano, ababalwa uMosi noAroni njengokuyala ku ka Jehova ngesandhla sika Mosi.

38 Bona ababalwayo ba kwa Gershoni ngemindeni yabo na ngendhlu ya oyise.

39 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be aba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

40 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa namashumi amatatu.

41 Laba ibo ababalwayo bemindeni ya kwa Gershoni kubo bonke aba nga sebenzayo etabanekeleni lenhlangano, aba balwa uMosi noAroni njengokuyala ku ka Jehova.

42 Bona ababalwayo bemindeni ya kwa Merari, ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise,

43 Kwa qala, kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni yomsebenzi etabanekeleni lenhlangano.

44 Bona ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ba be izinkulungwane ezintatu namakulu amabili.

45 Labo ababalwayo bemindeni ya kwa Merari, aba balwa uMosi noAroni

njengalo izwi lika Jehova ngesandhla sika Mosi.

46 Bonke ababalwayo ku ba Levi ababalwa uMosi noAroni nabakulu ba kwa Israeli ngemindeni yabo, ngendhlu ya oyise,

47 Kwa qala kwa ba neminyaka e amashumi amatatu naba ne nga pezulu ku ze ku be kwa ba neminyaka e amashumi a isihlanu, bonke abezayo ukwenza umsebenzi wenkonzo no wokutwala etabanekeleni lenhlangano.

48 Bona ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezishiyagalombili nama-kulu amahlanu namashumi a shiyagalombili.

49 Njengokuyala ku ka Jehova ba balwa ngesandhla sika Mosi, bonke njengomsebenzi wabo, na njengomtwalo wabo ba balwa njengokutyo kuka Jehova ku Mosi.

ISAHLUKO 5.

**U**JEHOVA wa kuluma kuMosi, e ti,  
2 Yityo kwa ba kwa Israeli ukuba ba kipe ekamwini onke amalepero nabo bonke aba nesipumo nabo bonke aba ngcolisiwe abafileyo.

3 Isilisa nesifazana ni ya kuba kipela ngapandhle kwekamu ni ba kipe ukuze ba nga ngcolisi amakamu abo, e ngi hlala pakati kwawo.

4 Abakwa Israeli benza njalo, ba ba kipela ngapandhle kwekamu: njengokutyo kuka Jehova kuMosi benze njalo aba kwa Israeli.

5 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

6 Yityo kwa ba kwa Israeli ukuti uma o wesilisa noma o wesifazana enza isono e senziwa abantu ukona kuJehova, lo womuntu a be neeala;

7 Ka vume isono sake a senzileyo, a buyise icala lake, nga loku a konileyo elekele kuko o kwesihlanu a ku nike lowo a monileyo.

8 Kodwa uma umuntu e nge naye o wa kubo, ukubuyisa icala kuye, icala a li buyiswe kuJehova, kumpristi ngapandhle kwenqama yokuhlala a blaulelwe ngayo.

9 Nemnikelo yonke yoku ngewele yaba kwa Israeli aba yi letayo kumpristi i ya kuba e yake.

10 Nokwahlukanisiweyo kwa bantu bonke ku ya kuba o kwake: konke oku letwa abantu kumpristi ku ya kuba o kwake.

11 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

12 Yityo kwabakwa Israeli, u ti kubo uma umfazi womuntu e duka enza isono kuye.

13 A lale nomunye umuntu indoda yake i nga ku boni, ku fihlwe, a ngcoliswe ku nga biko ufakazi ngaye, e nga banjwanga.

14 Ku fike inhliziyo yomona kuye a be nomona ngomkake e ngcolisiwe noma ku fika inhliziyo yomona kuye a be nomona ngomfazi wake e nga ngcolisiwe.

15 Ku tike indoda i lete umkayo kumpristi i m letele umnikelo wake, okweshumi kweefa lempupu yebarle, a nga teli amafuta kuyo a nga faki nenhlaka kuyo; ngokuba i umnikelo womona, umnikelo wesikumbuzelo sokukumbuza isono.

16 Umpristi a m sondeze a m beke pambi ku ka Jehova:

17 Umpristi a tate amanzi a ngewele ngesitya sebumba: a tate notuli olu pansi etabanekeleni, a lu tele emanzi.

18 Umpristi a beke umfazi ngapambi kuka Jehova, e mbule ikanda lomfazi a beke umnikelo wesikumbuzelo ezandhleni zake, o umnikelo womona, umpristi a pate ezandhleni zake amanzi ababayo okwenza isituko.

19 Umpristi a m fungise, a ti kumfazi uma u nga hlangananga nendoda uma u ngedukelanga kokubi nomunye o nge siyo indoda yako, u kululekile emanzi ni a babayo okwenza isituko.

20 Kodwa uma wedukile nomunye ongendoda yako uma u ngcolisiwe, wa hlangana nenye indoda e ngendoda yako;

21 Umpristi u ya kufungisa umfazi ngesifungo sokutuka umpristi a ti kumfazi, uJehova a kwenze isituko nesifungo pakati kwabakini, nxa uJehova e bozisa itanga lako; e vuvukalisa isisu sako;

22 Lamanzi okwenza isituko a ya kungeni emibilinini yako, a vuvukise isisu sako a bozise itanga lako; Umfazi u ya kuti Amen, Amen.

23 Umpristi u ya kubala lezi izituko enewadini a zesule ngamanzi a babayo.

24 A puzise umfazi amanzi ababayo okwenza isituko, amanzi okwenza isituko a ya kungeni kuye a babe.

25 Ku ti umpristi a tate umnikelo womona esandhleni somfazi a zulise umnikelo pambi kuka Jehova a nikele elatini.

26 Umpristi a capune ngesandhla emni-

kelweni isikumbuzelo sawo a si tyise elatini, ku tike a puzise umfazi amanzi.

27 Lapo se m puzisile amanzi ku ya kuti uma e ngecolisiwe wona endodeni yake amanzi okwenza isituko a ngene kuye a babe isisu sake si vuvuke netanga lake li bole; Umfazi u ya kuba isituko kwabakubo.

28 Uma e nga ngecolisiwe, e hlanzekile, u ya kukuleka a kululwe, a tole inzalo.

29 Lo umteto womona lapo umfazi eduka nomunye o nge siyo indoda yake a ngecoliswe.

30 Nalapo inhliziyo yomona i fika kuye a be nomona ngomfazi wake, a beke umfazi pambi ku ka Jehova, umpri- sti enze kuye ngawo wonke lomteto.

31 Indoda i nga bi necala lesono, lowo mfazi a twale isono sake.

### ISAHLUKO 6.

**U**JEHOVA wa tyo kuMosi ukuti, 2 Kuluma kuba Israeli u ti kubo, uma owesilisa noma owesifazana e zahlukanisa, a funge isifungo somNazareti a zimisele uJehova,

3 A ka zahlukanise newaini, notywala obubukali, a nga puzi ubumuncu bewaini nobumuncu botywala, a nga puzi amanzi ezinhlamvu zevini a nga dhli izinhlamvu zevini ezimanzi nezomileyo.

4 Zonke izinsuku zoku zahlukanisa kwake, a ka yi kudhla luto olwenziwe ngevini noma izinhlamvu noma amakasi.

5 Izinsuku zonke zesifungo sokuzahlukanisa, a nga puculi ikanda lake ku ze ku pelele lezo zinsuku zokuzahlukanise- la kwake ku Jehova, u ya kuba ngewe- le, a yeke isihluto sezinwele zekanda lake si kule.

6 Ngezinsuku zonke zokuzahlukanise- la kwake kuJehova a ka nga hlanga- ni nesidumbu sofileyo.

7 A nga zingcolisi ngoyise, na ngo- nina, na ngomfo wabo, na ngodade wabo ekufeni kwabo, ngokuba ukuzahlukanise- la uTixo ku pezu kwekanda lake.

8 Ngezinsuku zonke zokuzahlukanise- la kwake u ngewele ku Jehova.

9 Uma umuntu e zumeke, a fe eduze naye, nekanda lake lokuzahlukanisa kwake li ngcole, u ya kupucula ikanda lake ngomhla wokuzihlanza kwake, ngosuku lwesikombisa u ya kulipucula.

10 Ngosuku lwesishiyagalombili a lete amavukutu amabili noma amahobe ama-

bili kumpristi emnyango wetabanekele lenhlangano;

11 Umpristi a nikele elinye li be umni- kelo wesono, nelinye li be umnikelo wo- kutya, a m hlaulele ngokuba wonile ngofileyo, a hlukanise ikanda lake nga- lololusuku;

12 Wo zimisele uJehova izinsuku zo- kuzahlukanisa kwake a lete icwane eli se nomnyaka, li be umnikelo wokona, kodwa iziusuku za nga pambili zi ya ku- lahlwa; ngokuba ukuzahlukanisa kwa- ke kwa ngecoliswa.

13 Lo u umteto womNazareti lapo izi- nsuku zokuzahlukanisa kwake se zi pe- lele u ya kuletwa emnyango wetabane- kele lenhlangano.

14 U ya kunikela umnikelo wake ku Jehova, icwane, eli nomnyaka eli nge nacala, li be umnikelo wokutya, nele- nsikazi eli nonyaka, eli nge nacala li be umnikelo wesono, nenqama e nge naca- la i be umnikelo wokutula.

15 Nembenge yesinkwa esi nge namvubelo, nezinkwana zempupu eihle exutywe namafuta, nezinkwanyana ezi nge namvubelo zi geotywe ngamafuta, nomnikelo wokudhla nowokupuza.

16 Umpristi u ya kufileta pambi ku- ka Jehova, a nikele umnikelo wake we- sono nomnikelo wake wokutya.

17 A nikele inqama i be umnikelo wo- kutula kuJehova, kanye nembenge ye- sinkwa esi nge namvubelo: futi umpri- sti u ya ku nikela umnikelo wake wo- kudhla nomnikelo wake wokupuza.

18 UmNazareti u yu kupucula ikanda lake lokuzahlukanisa kwake emnyango wetabanekele lenhlangano, a tate izi- nwele zekanda lake lokuzahlukanisa kwake a zi fake emlilweni o nga pansu komnikelo ohlatyelwe ukutula.

19 Umpristi u ya kutata umkono ope- kiweyo wenqama nesikwana esi nge nambiliso si be sinye embengeni, nesin- kwanyana esi nge namvubelo, a ku beke ezandhleni zomNazareti emva ko- kupucula izinwele zokuzahlukanisa kwa- ke.

20 Umpristi a ku zulise ku be umni- kelo wokuzuliswa pambi kuka Jehova, loku ku ngewele o kompristi kanye nesifuba nomkono wokuzuliswa, emva kwa loku umNazareti a nga puza iwa- ini.

21 Lo u umteto womNazareti o fungi- leyo nowomnikelo wokuzahlukanise- la kuJehova, ngapandhle kwa loko isa-

ndhla sake e si ya ku zuza; njengesi-fungo a si fungayo a kenze njengomteto wokuzahlukanisa kwake.

22 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

23 Yityo kuAroni na kumadodana ake u ti, Ni ya kubusisa abaka Israeli kanye ngokuti kubo,

24 uJehova a ku busise, a ku geine,

25 uJehova a ka kanyise ubuso bake pezu kwako, a be nomusa kuwe.

26 uJehova a ka pakamise ubuso bake pezu kwako, a ku nike ukutula.

27 Ba ya kubeka igama lami pezu kwaba kwa Israeli ngi ya ku ba busisa.

### ISAHLUKO 7.

**K**WA ti ngosuku uMosi e se qedile ukumisa itabanekele e se li goebile, wa lahlukana, nempahla yonke yalo kanye nelati nezitya zonke zalo, e se zi goebile wa zahlukanisa.

2 Ukuba izikulu zabakwa Israeli izihloko zendhlu ya oyise e za zi amakosi ezizwe a e mele labo ababalwayo za nikela;

3 Ba leta umnikelo wabo nga pambi kuka Jehova, izinqola ezi isitupa ezi nopahla, nezinkabi ezi ishumi nambili, inqola inye kwe e yezikulu ezibili inkabi inye si sinye, ba zi leta ngapambi kwetabanekele.

4 uJehova wa kuluma ku Mosi, e ti,

5 Amkela kubo, ukuba kwenizwe ngazo umbenzi wetabanekele lenhlangano, u za kuzinika abaLevi ku be i ku lowo njengomsebenzi wake.

6 uMosi wa tata izinqola nezinkabi wa zi nika abaLevi.

7 Izinqola ezimbili nezinkabi ezine, wa zi nika abakwa Gershoni, njengomsebenzi wabo,

8 Izinqola ezine nezinkabi ezi ishiyagalombili wa zi nika abakwa Merari njengomsebenzi wabo ngapansi kwesandhla sika Itamari indodana ka Aroni umpristi.

9 Kepa aba kwa Kohati a ka ba nika ngaluto, ngokuba umsebenzi wetabanekele wa u ngowabo, ukuba betwale, emahlombe abo.

10 Izikulu za nikelela ukwahlukaniswa kwelati mhla li geotywayo, izikulu za nikela umnikelo wazo nga pambi kwelati.

11 uJehova wa ti kuMosi a ba nikele umnikelo wabo, ku be i lesi sikulu ngosuku lwaso, wokwahlukanisa ilati.

12 Owa nikela umnikelo wake ngo-

suku lokuqala uNashoni indodana ka Aminadabi wa kwa Juda.

13 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva, isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli namashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gewele impupu ehle e xutywe namafuta ku be umnikelo wo kudhla:

14 Ukezo lwegolide, olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

15 Inkunzi entya, inqama, neewane eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya.

16 Neewane lembuzi, li be umnikelo wesono.

17 Umnikelo wokuhlhatyelwa ukutula izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimbuzi ezi isihlanu, namaewane a isihlanu, amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Nashoni indodana ka Aminadabi:

18 Ngolwesibili kwa nikela uNetaneli indodana ka Zuari induna ya kwa Isakari.

19 Wa nikela ngomnikelo wake isitya esibanzi isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva, eli namashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gewele impupu ehle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

20 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

21 Inkunzi entya, inqama, neewane eli nonyaka ku be umnikelo wokutya.

22 Neewane lembuzi li be umnikelo wesono.

23 Umnikelo wokuhlhatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Netaneli indodana ka Zuari.

24 Ngolwesitatu uEliabi indodana ka Heloni induna ya kwa Zebuloni, wa nikela.

25 Umnikelo wake, wa u isitya esibanzi sesiliva, isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu neboli lesiliva, eli namashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gewele impupu ehle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

26 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

27 Inkunzi entya, inqama, iewane eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya,

28 Iewane lembuzi li be umnikelo weso-  
sono.

29 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili nezinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Eliabi indodana ka Heloni.

30 Ngolwesine uElizuri indodana ka Shaduri induna ya kwa Rubeni wa nikela.

31 Umnikelo wa u isitya sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva, eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gewele impupu enhle, e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

32 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

33 Inkunzi entya, inqama, iewane eli nonyaka, ku be umnikelo wokutya.

34 Iewane lembuzi li be umnikelo weso-  
sono.

35 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, amaewane amnyaka munye a isihlanu: loku kwa ku umnikelo ka Elizuri indodana ka Shaduri.

36 Ngolwesihlanu uShalumieli indodana ka Zurishadi induna ya ba kwa Simeoni wa nikela.

37 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

38 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

39 Inkunzi entya, inqama, neewane eli nonyaka ku be umnikelo wokutya.

40 Iewane lembuzi li be umnikelo weso-  
sono.

41 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu namaewane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Shalumieli indodana ka Zurishadi.

42 Ngolwesitupa uEliasafu indodana ka Deueli induna ya kwa Gadi wa nikela.

43 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva, isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu neboli eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

44 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

45 Inkunzi entya, inqama, neewane eli nonyaka ku be umnikelo wokutya:

46 Iewane lembuzi li be umnikelo weso-  
sono.

47 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu amnyaka munye: Loku kwa ku umnikelo ka Eliasafu indodana ka Deueli.

48 Ngolwesikombisa uElishama indodana ka Amihudi induna yaba kwa Efraimi, wa nikela:

49 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele, kokubili ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta kwa ba umnikelo wokudhla.

50 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

51 Inkunzi entya, inqama, iewane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

52 Iewane lembuzi li be umnikelo weso-  
sono.

53 Umnikelo wokuhlatyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu namaewane amnyaka munye: Loku kwa ku umnikelo ka Elishama indodana ka Amihudi.

54 Ngolwesishiyagalombili uGamalieli indodana ka Pedazuri, induna ya ba kwa Manasa wa nikela:

55 Umnikelo wake, wa u isitya esibanzi sesiliva esi amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta, ku be umnikelo wokudhla.

56 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

57 Inkunzi entya, inqama, neewane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

58 Iewane lembuzi li be umnikelo wesono.

59 Umnikelo wokuhlatelyelwa ukutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu amnyaka munye; loku kwa ku umnikelo ka Gamalieli indodana ka Pedazuri.

60 Ngolwesishiyagalolunye uAbidani indodana ka Gideoni induna ya kwa Benjaminini wa nikela.

61 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, iboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa; njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

62 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

63 Inkunzi entya, inqama, neewane eli mnyaka munye ku be umnikelo wokutya.

64 Iewane lembuzi li be umnikelo wesono.

65 Okokuhlatelyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu a mnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Abidani indodana ka Gideoni.

66 Ngolweshumi uAhieza indodana ka Amishadai induna yaba kwa Dani, wa nikela.

67 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

68 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

69 Inkunzi entya, inqama, neewane eli mnyaka munye ku be umnikelo wokutya.

70 Iewane lembuzi li be umnikelo wesono.

71 Okokuhlatelyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimpongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu a mnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Ahieza indodana ka Amishadai.

72 Ngolweshumi nanye, u Pagieli indodana ka Okrani induna yabakwa Ashe-ri wa nikela.

73 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa, njengeshekeli letabanekele: kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta, ku be umnikelo wokudhla.

74 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

75 Inkunzi entya, inqama, neewane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

76 Iewane lembuzi li be umnikelo wesono.

77 Okokuhlatelyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimbongo ezi isihlanu, namaewane a isihlanu amnyaka munye: loku kwa ku umnikelo ka Pagieli indodana ka Okrani.

78 Ngolweshumi nambili uAhira indodana ka Enani induna ya ba kwa Naftali wa nikela.

79 Umnikelo wake wa u isitya esibanzi sesiliva isisindo saso sa si amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli lesiliva eli amashekeli a amashumi a isikombisa njengeshekeli letabanekele; kokubili kwa ku gewele impupu enhle e xutywe namafuta ku be umnikelo wokudhla.

80 Ukezo lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gewele impepo.

81 Inkunzi entya, inqama, neewane eli mnyaka munye, ku be umnikelo wokutya.

82 Iewane lembuzi li be umnikelo wesono.

83 Okokuhlatelyelwa umnikelo wokutula, izinkabi ezimbili, izinqama ezi isihlanu, izimbongo ezi isihlanu namaewane a isihlanu amnyaka munye loku kwa ku umnikelo ka Ahira indodana ka Enani.

84 Loku kwa ku ukwahlukaniswa kwelati mhla li geotywayo izikulu za kwa Israeli, izitya ezibanzi ezi ishumi nambili zesiliva, namaboli a ishumi nambili e siliva, nezinkezo ezi ishumi nambili zegolide.

85 Isitya si sinye sa sinda amashekeli a ikulu namashumi amatatu, neboli li linye a amashumi a isikombisa: zonke izitya zesiliva za sinda amashekeli a izinkulungwane ezimbili namakulu amane, njengeshekeli letabanekele:

86 Izinkezo zegolide za zi ishumi nambili zi gewele impepo, za zi sinda amashekeli a ishumi lu lunye, njengeshe-

keli letabanekele: lonke igolide lezi-nkezo la li amashekele a ikulu nama-shumi amabili.

87 Zonke izinkabi zomnikelo wokutya za zi izinkabi ezi ishumi nambili, izinqama ezi ishumi nambili, amacwane amnyaka munye, a ishumi nambili, umnikelo wokudhla: namaacwane ezimbuzi omnikele wesono, a ishumi nambili.

88 Izinkunzi zonke zokuhlathyelwa iminikelo yokutula za zi izinkunzi ezi amashumi amabili nane, izinqama zi amashumi a isitupa, izimpongo zi amashumi a isitupa, amacwane amnyaka munye a amashumi a isitupa. Loku kwa ku ukwahlukaniswa kwelati emva kokugcotywa kwalo.

89 Lapo uMosi e se ngene etabanekele-ni lenhlangano ukukuluma naye uTixo wezwa izwi lokuluma naye e sesihlaleneni somusa e sa si pezu kompongo wemiteto e pakati kwamakerubimi amabili: Wa kuluma kuye.

#### ISAHLUKO 8.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi, e ti, 2 Yityo kuAroni, u ti kuye, ekumiseni kwako izibani ezi isikombisa zi ya ku kanyisa malungana noti lwesibani.

3 uAroni wenze njalo, wemisa izibani malungana noti lwesibani njengokutyo kuka Jehova kuMosi.

4 Lomsebenzi woti lwesibani wa u igolide elikandiweyo, uti lwalo izimbali zalo, za zi umsebenzi okandiweyo: njengomfanekiso uTixo a wu bonisa uMosi, wa lwenze njalo uti lwesibani.

5 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

6 Kipa abaLevi kwa ba kwa Israeli u ba hlambulule.

7 U ya kwenze nje kubo, ukubahlambulula; U ba fafaze ngamanzi okuhlambulula ka ba zipucule umzimba wonke wabo, ba geze izingubo zabo, ba zenze ba be mhlope.

8 Ba tate inkunzi entya e umnikelo wokudhla, nempupu enhle e xutywe namafuta, u tate enye inkunzi entya i be umnikelo wokona.

9 U lete abaLevi pambi kwetabanekele lenhlangano, u butele ndawonye lonke ibandhla laba kwa Israeli,

10 U lete abaLevi pambi kuka Jehova: Abakwa Israeli ba beke izandhla zabo pezu kwabaLevi.

11 uAroni a nikele abaLevi pambi

kuka Jehova ba be umnikelo waba kwa Israeli ukuba benze inkonzo ka Jehova.

12 AbaLevi ba ya kubeka izandhla zabo pezu kwamakanda ezinkunzi, enye u ya kuyinikela i be umnikelo wesono, nenze i be umnikelo wokutya kuJehova wokuhlalela abaLevi.

13 U ya kuba misa abaLevi pambi kuka Aroni napambi kwamadodana ake u ba nikele ba be umnikelo kuJehova.

14 U ya kubahlukanisa kanjalo abaLevi pakati kwaba Israeli: abaLevi ba be a bami.

15 Emva kwaloko abaLevi ba ya kungenza ukwenza inkonzo yetabanekele lenhlangano: u ya kubahlambulula u ba nikele ba be umnikelo.

16 Ngokuba ba nikwe mina impela pakati kwaba kwa Israeli esikundhleni sabo abazibulwayo, endaweni yamazibulo abakwa Israeli, bonke ngi zitatele bona.

17 Ngokuba amazibulo onke, abantu nawezilwane abakwa Israeli a nga wami: mhla ngi tyaya amazibulo onke ezweni la sEgipite ngazahlukanisela wona.

18 Ngi tatile abaLevi endaweni yamazibulo onke abakwa Israeli.

19 Ngi nikile abaLevi, ba be isipo kuAroni na kumadodana ake pakati kwa bakwa Israeli, ukwenza umsebenzi wa ba kwa Israeli, etabanekeleleni lenhlangano wokuhlalela abakwa Israeli, ukuba ku nga biko ukufa pakati kwa ba kwa Israeli lapo be sondela etabanekeleleni.

20 uMosi noAroni nebandhla lonke laba kwa Israeli, benza kubaLevi njengako konke uJehova a ku tyela uMosi ngabaLevi, benze njalo abakwa Israeli kubo.

21 AbaLevi ba hlanjululwa, ba geza izingubo zabo: uAroni wa ba nikela ba be umnikelo kuJehova: uAroni wa ba hlalela ukuba hlambulula.

22 Emva kwaloko, abaLevi ba ngena ukwenza umsebenzi wabo, etabanekele-ni lenhlangano, o pambi kuka Aroni napambi kwamadodana ake njengokutyo kuka Jehova kuMosi ngabaLevi, benze njalo kubo.

23 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

24 Loku iko okwaba Levi: ku qale kwa ba neminyaka e mashumi mabili nesihlanu naba nga pezulu ba ya kungenza ukwenza umsebenzi wetabanekele lenhlangano:

25 A se be neminyaka e amashumi a isihlanu ba ya kugeina ukwenza umsenbenzi walo, ba nga be be sa konza :

26 Kodwa ba ya kukonza kanye nabafo wabo etabanekeleni, lenhlangano ukuligeina ba nga be be sa sebenza. U ya kwenza njalo kuba Levi nga ba kugcinayo.

ISAHLUKO 9.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi ehlane la seSinai ngenyanga yokuqala yomnyaka wesibili ba kupuka ezweni la sEgipite, e ti,

2 Abakwa Israeli a ba lenze ipasika esikatini salo.

3 Ngosuku lweshumi nane lwa lenyanga, kusihlwa, ni ya kulenza esikatini salo, njengazo zonke izimiso njengayo yonke imikuba yalo, ni ya kulenza.

4 uMosi wa kuluma kwa ba kwa Israeli ukuba ba lenze ipasika.

5 Ba lenza ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yokuqala kusihlwa ehlane la seSinai: njengako konke uJehova a kutyo kuMosi, benze njalo abakwa Israeli.

6 A be kona amadoda a tile a be ngecolisiwe isidumbu sofileyo, ba be nge lenze ipasika ngalolusuku: e za kuMosi na kuAroni ngalomhla.

7 A ti kuye lamadoda si ngecoliswe isidumbu sofileyo si vinjelwe ngani ukuba si nga nikeli umnikelo ka Jehova ngesikati sawo, pakati kwa ba kwa Israeli.

8 uMosi wa ti yimanike, ngi zwe uJehova a za ku kutyo ngani.

9 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti

10 Kuluma kwa ba kwa Israeli, u ti, uma umuntu wa kini noma ko owenzalo yenu, e ngecolile ngenxa yesidumbu sofileyo, noma a hambile kude noko u ya kulenza ipasika kuJehova.

11 Ngolweshumi nane lwenyanga yesibili kusihlwa ba ya kulenza, ba li dhle kanye nesinkwa esi nge namvubelo nemifino e babayo.

12 A ba yi kulishiyela ingomuso ba nga lapuli itambo lalo; ba ya kulenza njengezimiso zonke zepasika.

13 Kodwa umuntu o hlanzekileyo no nga hambile o nga lenziyo ipasika lowo muntu u ya kunqunywa pakati kwa ba kubo, ngokuba e nga wu letanga umnikelo ka Jehova ngesikati sawo lowo muntu u ya kwetwala isono sake.

14 Uma owezizwe e hlala kini e tanda ukulenza ipasika kuJehova; njengesimiso sepasika na njengomkuba walo a

kenze njalo, ni ya kuba nesimiso sinye kowezizwe nako wa zalelwa ezweni lakini.

15 Ngosuku itabanekele e la miswa ngalo ifu la sibekela itabanekele oku itente lemiteto, kusihlwa kwa ba kona pezu kwetabanekele okungati isibonakaliso somlilo, kwa ze kwa sa.

16 Kwa ba njalo ngesikati sonke: ifu la li sibekela emini nokuungati umlilo ebusuku.

17 Nxa ifu lenyuswa etabanekeleni, kwa ku ti abaIsraeli ba hambe: na sendaweni lapo ifu li ma kona lapo aba kwa Israeli bemise.

18 Ngokutyo ku ka Jehova aba kwa Israeli ba be hamba na ngokutyo ku ka Jehova bemise: Ekumeni kwefu pezu kwetabanekele ba be hlala ematenteni abo.

19 Na lapo ifu li ma izinsuku eziningi pezu kwetabanekele, abakwa Israeli ba ngeina oku ka Jehova, a ba hamba.

20 Kwa ku ba njalo; lapo ifu li hlezi izinsuku ezi incozana pezu kwetabanekele, njengokutyo ku ka Jehova ba be hlala ematenteni abo; na njengokutyo kuka Jehova ba be hamba.

21 Kwa ku ba njalo, uma ifu li hlala kusihlwa ku ze ku se ku ti ifu li suswe kusasa ba be hamba: noma kwa ku i semini noma i kusihlwa lapo ifu li suswa ba be hamba.

22 Noma ku izinsuku ezimbili noma inyanga noma umnyaka ifu li hlezi pezu kwetabanekele li mi njalo pezu kwalo, aba kwa Israeli ba be hlala ematenteni abo, ba nga hambi kodwa uma lenyuswa ba be hamba.

23 Ngokutyo ku ka Jehova ba be hlala ematenteni abo, na ngokutyo kuka Jehova ba be hamba; ba geina o ku ka Jehova, ngezwi lika Jehova ngesandhla sika Mosi.

ISAHLUKO 10.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi, e ti,  
2 Zenzele amatilongo amabili esiliva ugomsebenzi o kandiweyo u wenze: ukuba abe awokubiza inhlanguano nokusasa amakamu.

3 Lapo be ya kuwatyaya inhlanguano yonke i ya kubutanela kuwe emnyango wetabanekele lenhlangano.

4 Uma be tyaya itilongo li be linye ku ya kubutanela kuwe izinduna ezi izinhloko zezinkulungwane zakwa Israeli.



5 Lapo ni hlaba umkosi amakamu e mi ngasempumalanga a ya kusuka.

6 Lapo ni hlaba umkosi wesibili amakamu e mi ngaseningizimu a ya kusuka: ba ya kuhlaba umkosi ngokusuka kwabo.

7 Kodwa lapo ku butwa inhlango ni ya kuwatyaya ni nga hlabi umkosi.

8 Amadodana ka Aroni abapristi a ya kutyaya amatilongo: ku ya kuba isimiso kini, ku ze ku be pakade, ezizukulwaneni zenu.

9 Noma ni puma impi ezweni lakini ukuya kulwa nezita ezi ni katazayo ni ya kuhlaba umkosi ngamatilongo: ni ya kukunjulwa pambi kuka Jehova uTixo wenu; ni sindiswe eziteni zenu.

10 Osukwini lokwenama kwenu, na ngezinsuku zenu ezimisiweyo, na sekutwaseni kwezinyanga zenu ni ya kutyaya amatilongo enu eminikelweni yenu yokutya na seminikelweni yokuhlattywa yokutula, ukuba i be isikumbuzelo senu pambi kuka Tixo wenu, ngi nguJehova uTixo wenu.

11 Kwa ti ngosuku lwamashumi amabili lwenyanga yesibili emnyakeni wesibili ifu la kutylulwa etabanekeleni lemiteto.

12 Aba kwa Israeli ba suka ehlane la seSinai ifu lema ehlane la seParani.

13 Ba qala ukuhamba njengokutyoka kuka Jehova ngesandhla sika Mosi.

14 Ku qala kwesuka isibonakaliso sekamu laba kwa Juda ngezimpi zabo, uNashoni indodana ka Aminadabi wa ye pezu kwebandhla la kubo.

15 Pezu kwesizwe sa kwa Isakari kwa ku uNetaneli indodana ka Zuari.

16 Napezu kwesizwe sa kwa Zebuloni kwa ku uEliabi indodana ka Heloni.

17 Itabanekele la suswa, amadodana ka Gershoni namadodana ka Merari e suka e twala itabanekele.

18 Nesibonakaliso sekamu la kwa Rubeni se suka njengezimpi zabo, uElizuri indodana ka Shaduri wa ye pezu kwebandhla la kubo.

19 Pezu kwesizwe sa kwa Simeoni kwa ku uShalumieli indodana ka Zurishadi.

20 Pezu kwesizwe sa kwa Gadi kwa ku uEliasafu indodana ka Deueli.

21 Aba kwa Kohati besuka be twele indawo e yingewele na labo ba bemisa itabanekele be nga ka fiki.

22 Isibonakaliso sekamu la kwa Efraimi se suka njengezimpi zabo, uElisha-

ma indodana ka Amahudi wa ye pezu kwebandhla la kubo.

23 Pezu kwesizwe sa kwa Manasa kwa ku Gamalieli indodana ka Pedazuri.

24 Pezu kwesizwe sa kwa Benjamini kwa ku Abidani indodana ka Gideon.

25 Isibonakaliso sekamu la kwa Dani se suka, eli nga senva kwawo onke amakamu emabandhleni abo; uAhieza indodana ka Amishadai wa ye pezu kwebandhla la kubo.

26 Pezu kwesizwe sa kwa Asheri kwa ku Pagieli indodana Okrani.

27 Pezu kwesizwe sa kwa Naftali kwa ku uAhira indodana ka Enani.

28 Kwa ku nje ukuhamba kwa ba kwa Israeli njengezimpi zabo ekusukeni kwabo.

29 uMosi wa ti kuHobabi indodana ka Regueli unMidiani umkwe kaMosi si ya endaweni uJehova a ti ngi ya kuninika yona: Hamba nati si ya kukupata kahle; Ngokuba uJehova u kulumile okuhle ngabaIsraeli.

30 Wa ti kuye, A ngi nakuhamba, kodwa ngi za kuya kwaba kiti.

31 Wa ti, U nga si shiyi ngi ya kuncenga: loku u yazi ukuba si ya kumisa ehlane, u nga ba amehlo kitina.

32 Ku ya kuti uma u hamba nati kuti impela, ukulunga uJehova a kwenzayo kiti si ya kukwenza na kuwe okunjalo.

33 Ba suka entabeni ka Jehova ibanga lezinsuku ezintatu, umpongolo wesivumelwano ka Jehova wa hamba pambi kwabo ibanga lezinsuku ezintatu ukufuna indawo yokumisa kwabo.

34 Ifu lika Jehova la li pezu kwabo emini ekupumeni kwabo ekamu.

35 Kwa ti ekusukeni kompongolo uMosi wa ti, vuka Jehova, zi ti izita zako zi hlakazeke nabakuzondayo, ba ku balekele.

36 Na sekumeni kwawo, wa ti, Buyela Jehova, ezinkulungwaneni eziningi za ba kwa Israeli.

## ISAHLUKO 11.

**K**WA ti ukusola kwabantu, kwa ba kubi ezindhlebeni zika Jehova, uJehova wa kudwa, ulaka lwake lwa vuta, wa tya umlilo ka Jehova pakati kwabo wa qeda aba semikaulweni yekamu.

2 Abantu ba kala kuMosi kwa ti uMosi wa kubeka kuJehova umlilo wa cima.

3 Wa qamba igama lendawo ngokuti Itabera. Ngokuba umlilo ka Jehova wa tya pakati kwabo.

4 Ingxube yabantu e ya i pakati kwabo ya fisa nokufisa, abakwa Israeli ba buya ba kala, ba ti Ubani o za ku si pa inyama, si dhle na?

5 Si kumbule izinhlanzi e sa si zidhla njengokutanda Egipte: amakukamba, amakabe, amaliki, nesweli, neshumime.

6 Kepa manje umpefumlo wetu se womile, a kuko luto olunye nga pandhle kwaleli mana, emehlweni etu.

7 Imana la li njengenhlamvu yekoria-nda nombala walo, wa u njengombala webedola.

8 Abantu ba be puma, ukulibuta, ba li gaye ematjeni noma be li kanda esigqu- lweni, ba li peke esityeni ba lenze izinkwana: Ukuzwakala kwalo kwa ku njengokuzwakala kwamafuta amatya.

9 Ekulaleni kwamazolo pezu kweka- mu ebusuku kwa kwehlela imana.

10 uMosi wezwa ukukala kwabantu ngemindeni yabo, ku ilowo muntu e semnyango wetente lake, ulaka luka Jehova lwa vuta kakulu kwa ba kubi nakuMosi futi.

11 uMosi wa ti kuJehova, u yi hlupeleni ineeuku yako na? ku ngani ukuba a ngi u tolanga umusa emehlweni ako, ukuba u beke umtwalo wabo bonke laba bantu pezu kwami na?

12 Ngi ba kululwe bonke laba bantu ngi ba zalile ukuba u ti kimi, ba gone esifubeni sako njengomondhli e gonile umntwana o neelayo, ngi ba yise ezweni o wa funga ngalo koyise na?

13 Ngi nga yi tatapi inyama yokuyi- nika bonke laba bantu na? Ngokuba ba ya ngi kalela ba ti, Si pe inyama si dhle.

14 A ngi nako ukubatwala bonke laba bantu ngedwa, ngokuba ba ya ngi sinda.

15 Uma u ngi pata kanje, ngi bulale ngi ya kuncenga, kona manje, uma ngi fumene umusa ebusweni bako, Ma ngi nga lu boni usizi lwami.

16 uJehova wa ti kuMosi ngi butele amadoda amashumi a isikombisa emalungeni a kwa Israeli, o wazi ukuba amalunga abantu nezinduna zabo u wa lete etabanekeleni lenhlangano, ukuba eme kona nawe.

17 Ngi ya kwehla, ngi kulume nawe kona: Ngi tabate umoya o kuwe, ngi u beke kubona, ukuba e twale umtwalo wabantu kanye nawe, ukuba u nga wetwali wedwa.

18 Yityo wena kubantu ukuti zahlu- kaniseni ngomso ni ya kudhla inyama ngokuba ni kalile ezindhlebeni zika Je-

hova, ni ti, Ubani o za ku si pa inyama, si dhle? Ngokuba kwa ku kuhle kitina Egipte ngako uJehova u za ku ni nika inyama ni dhle.

19 A ni yi ku yidhla usuku lu be lu- nye, nezimbili nezi isihlanu, nezi ishumi nezi amashumi amabili.

20 Kodwa inyanga yonke, i ze i pume ngamakala enu, ni ze ni nengwe iyona, Ngokuba ni m delile uJehova o pakati kwenu, na kala pambi kwake ni ti, sa pumelani Egipte na?

21 uMosi wa ti, abantu e ngi pakati kwabo, ba izinkulungwane ezi amakulu a isitupa, u ti, ngi za ku ba pa inyama ba i dhle inyanga yonke.

22 Ba za ku hlatyelwa imihlambi ye- zinkomo neyezimvu ukuba i banele na? kuko ku za ku butwa izinhlanzi zonke zolwandhle ukubanela na?

23 uJehova wa ti kuMosi isandhla si- ka Jehova se si finyele na? U za ku bonake, ukuba amazwi ami a za kwe- nzeka, noma a zu kwenzeka yini?

24 uMosi wa puma, wa tyela abantu amazwi ka Jehova wa buta amadoda a amashumi a isikombisa, amalunga aba- ntu wa wemisa, a pahla itabanekele.

25 uJehova wehla e sefwini wa ku- luma kuye, wa tata umoya o wa wu pezu kwake wa u beka kumalunga a amashumi a isikombisa: Kwa ti, eku- hlaleni kuka Moya pezu kwawo, ba pro- feta, a ka ngamula.

26 Kodwa kwa solwa kuwo amadoda amabili ekamwini, igama lenye uElda- di nelenye uMedadi, uMoya wa hlala pezu kwawo; a ba pakati kwawo a lo- tyiweyo, kodwa be nga yanga etabane- keleni: Nawo a profeta e sekamwini.

27 Ya gijima insizwa ya bika kuMosi ya ti uEldadi noMedadi ba ya profeta be sekamwini.

28 uJoshua indodana ka Nuni ineeuku ka Mosi owezinsizwa zake wa pendula wa ti, ukosi yami Mosi, balele.

29 uMosi wa ti kuye, U nomona nge- nxa yami na? sengati abantu bonke baka Jehova a ba be abaprofeti, a ti uJehova a beko umoya wake pezu kwabo.

30 uMosi wesuka wa ya ekamwini na- malunga a kwa Israeli.

31 Kwa vuka umoya kuJehova wa leta izikwehle zi vela elwandhle wa ze- hlisela nga sekamu, ku nga ti ibanga losuku nga lapa, nebanga losuku nga lapa kwekamu inxa zonke nokupuma

kwazo, ku nga ti amakubiti amabili pezu komhlaba.

32 Abantu besuka ngalolu suku lonke na ngalobusuku bonke na ngosuku olu landelayo, ba buta izikwehle: o wa buta kancinyane wa buta amahoma a ishumi ba zeneka zona izindawo zonke ekamwini.

33 Inyama i se semaziuyweni abo, be nga ka i hlafuni, ulaka luka Jehova lwa vuta kubantu, uJehova wa ba tyaya ngokufa okukulu.

34 Wa biza igama la leyo ndawo, ngokuti iKibrotihatava: ngokuba be mbela kona abantu abafileyo.

35 Abantu ba be muka eKibrotihatava be ya eHazeroti, ba hlala eHazeroti.

### ISIAHLUKO 12.

UMIRIAMU noAroni ba kuluma ngoMosi ngenxa yomfazi wa seKushi a e m tabatile ngokuba wa e tabatile umfazi wa seKushi.

2 Ba ti imbala uJehova u kulumile ngoMosi yedwa na? Ka kulumile na nga ti na? uJehova wezwa:

3 (Kepa lomuntu uMosi wa be e tobile ku nabo bonke abantu aba be semhlabeni.)

4 uJehova wa ba zuma, wa kuluma kuMosi nakuAroni na kuMiriamu, wa ti, Pumani nina nobatatu etabanekeleli lenhlangano. Bobatatu ba puma.

5 uJehova wehla ensikeni yefu wema emnyango wetabanekelele wa biza uAroni noMiriamu: Bona bobali be za.

6 Wa ti yizwani kaloku amazwi ami, uma ku kona umprofeti pakati kwenu, mina Jehova ngi ya kuziveza kuye nje-ngesibonakaliso ngi kulume kuye ngepupo:

7 Inceku yami uMosi a ka njalo, u tembekile endhlini yami yonke.

8 Ng i ya kukuluma naye, si bhekane obala, ku nga bi ukukuluma okufihliweyo, Yena u ya kubona ukubonakala kuka Jehova, a nesabanga ukukuluma ngaye uMosi inceku yami ngani na?

9 Ulaka luka Jehova lwa vuta ngabo wemukake.

10 Ifu lemuka etabanekeleli: bhekake uMiriamu wa ba nobulepero wa mhlope njengeqwa, uAroni wa m bheka uMiriamu wa m bona e nobulepero.

11 uAroni wa ti ku Mosi, Au! nkosi yami ngi ya kuncenga u nga seleki lesisouo pezu kwetu e si senzileyo ngobuula sona ngaso.

12 A ke a nga bi njengofileyo onyama yake se i dhlekile inxenye ekupumeni kwake esiswini sika nina.

13 uMosi wa kuleka kuJehova e ti m pilise manje Tixo, ngi ya ncenga kuwe.

14 uJehova wa ti kuMosi uma uyise e be m felile nje ebusweni u be nge be nahlhloni izinsuku ezi isikombisa na? ka kitywe ekamwini izinsuku ezi isikombisa, ngasemva kwaloko a buye a ngeniswe.

15 uMiriamu wa valelwa nga pandhle kwekamu izinsuku ezi isikombisa: abantu a ba hambanga wa ze wa buyiswa uMiriamu.

16 Ngasemva kwa loko abantu bemuka eHazeroti ba ngenisa ehlane la seParani.

### ISIAHLUKO 13.

UJEHOVA wa kuluma ku Mosi, e ti, 2 Tuma abantu ukuba ba hlolizwe laseKenani e ngi li nika aba kwa Israeli, u tume umuntu a be munye ezizweni zouke za oyise ku be ilowo o induna pakati kwabo.

3 Ngokutyo kuka Jehova uMosi wa ba tuma besuka ehlane laseParani: bonke laba bantu ba be izinhloko za ba kwa Israeli.

4 Lawa a amagama abo, o wesizwe sa ka Rubeni uShammua indodana ka Zakuri.

5 Owesizwe sa kwa Simeoni, uShafati indodana ka Hori,

6 Owesizwe sa kwa Juda, uKalebi indodana ka Jefuna,

7 Owesizwe sa kwa Isakari, uIgai indodana ka Josefa,

8 Owesizwe sa kwa Efraimi uOshea indodana ka Nuni,

9 Owesizwe sa kwa Benjaminu, uPalta indodana ka Rafu,

10 Owesizwe sa kwa Zebuloni uGaddieli indodana ka Sodi,

11 Owesizwe sa kwa Josefa, isizwe sa kwa Manasa uGadi indodana ka Susi,

12 Owesizwe sa kwa Dani, uAmmieli indodana ka Gemali,

13 Owesizwe sa kwa Asheri uSethuri indodana ka Mikaeli,

14 Owesizwe sa kwa Naftali, uNabi indodana ka Vopsi,

15 Owesizwe sa kwa Gadi, uGeueli indodana ka Maki;

16 Lawa amagama abantu uMosi a ba tuma ukuhlola izwe. uMosi wa wa biza uOshea indodana ka Nuni ngokuti uJoshua.

17 uMosi wa ba tumela ukuhlola izwe laseKenani wa ti kubo Sukani ni ye nga seningizimu: ni kupukele entabeni.

18 Ni bone izwe ukuba li njani nabantu aba hlala kulo, ukuba ba namandhla noma aba namandhla, ukuba ba ingeozana noma baningi ini?

19 Nokuba izwe li njani aba hlala kulo, ukuba lihle noma libi; nokuba imizi abahlala kuyo i njani nokuba amatente noma izinqaba eziqinileyo ini?

20 Nokuba izwe li vundile noma a li vundile ini noma li nezinkuni noma a li nazo ini? Yimani isibindi ni buye nezitelo zezwe: Kwa se ku isikati sokuvutwa kwamavini.

21 Ngako ba kupuka ba hlola izwe ba qala ehlane laseZini ba ze ba fika eRehobi uma ku yiwa eHamati.

22 Ba kupuka ngaseningizimu ba ze ba fika eHebroni lapo kwa ku kona uAhimani noSheshai, noTalmi abantwana baka Anaki. iHebroni la lakive iminyaka e isikombisa li nga ka kiwa iZoani eEgipite.

23 Ba fika esihlanjeni sa se Eshekoli ba ka kona igatya eli nesihleke si sinye samavini ba li twala ngoti kwa babili, ba buya namarimoni namakiwane.

24 Indawo ya i bizwa ngokuti isihlambo sa seEshekoli, ngenxa yesihleke samavini aba kwa Israeli a ba sika kona.

25 Ba buya ekuhloleni izwe emva kwezinsuku ezi amashumi amane.

26 Ba ya ba fika kuAroni na kuMosi na kuyo inhlalango yonke ya ba kwa Israeli, ehlane laseParani eKadesh, be za ukubabikela, inhlalango yonke, ba i bonisa izitelo zezwe.

27 Ba m tyela ba ti sa fika ezweni o wa u si tume kulo, impela li vame ubisi nezinyosi, lezi izitelo zalo.

28 Kepake abantu aba hlala kulo ba namandhla, nemizi i nezindonga mikulu: futi sa bona kona abantu baka Anaki.

29 AmaAmeliki ake ezweni la seningizimu, namaHeti, namaJebusi namaAmori ake ezintabeni amaKenani ake nga selwandhle nanga seJordani.

30 uKalebi wa tulisa abantu pambi kuka Mosi wa ti a senyuke kona manje si li dhle ngokuba si namandhla okulingqoba.

31 Kodwa abantu a ba be hanbe naye ba ti A si namandhla okukupuka ukulwa nabantu ngokuba ba namandhla ku nati.

32 Ba veza izwi elibi ngezwe a ba be ye ukulihlola aba kwa Israeli, be ti izwe e si hanbe kulo uku ya kulihlola izwe e lidhla abakileyo kulo nabantu bonke e sa ba bona kulo, abantu abazimukileyo.

33 Kona sa bona iziqwaga amadodana ka Anaki a ba iziqwaga, emehlweni etu sa ba njengezintete na semehlweni abo futi.

#### ISIAHLUKO 14.

**N**ALO lonke ibandhla la pakamisa izwi la memeza; abantu ba kala nga lobo busuku.

2 Bonke abantwana ba kwa Israeli ba sola uMosi noAroni, lonke ibandhla la ti kubo, sengati Tixo a sa fela ezweni lasEgipite, ku nokuba si fele ku lehlane.

3 uJehova u si leteleni ku lelizwe u ku wiswa ngenkamba, nabafazi betu nabantwana betu ba be impango na? A ku lungile ini ukuba si buyele Egipite na?

4 Ba ti omunye komunye, Ma si mise induna si buyele Egipite.

5 Lapo uMosi noAroni ba wa ngobuso pambi kwenhlangano yonke yebandhla labantwana ba kwa Israeli.

6 uJoshua indodana ka Nuni, noKalebi indodana ka Jefuna, a ba labo abahloli izwi ba hxebula izingubo zabo;

7 Ba kuluma kulo lonke ibandhla labantwana ba kwa Israeli, be ti, Izwe e sa dhlula kulo ukulihlola li izwe elihle kakulu impela.

8 Uma uJehova e si tanda, u ya kusileta kulelizwe, a si nike lona; izwe eli veza ubisi nezinyosi.

9 Kodwa ma ni nga hlubuki kuJehova, ni nga besabi abantu bezwe; ngokuba ba isinkwa kitina, umtunzi wabo u mukile kubo, uJehova u nati ni nga besabi.

10 La tyo lonke ibandhla ukuti ba kandeni ngamatye. Kona inkazimulo ka Jehova ya bonakala etabunekeleni lenhlangano, kubo bonke abantwana ba kwa Israeli.

11 Wa ti uJehova kuMosi, Ko ze ku be nini laba bantu be ngi dela na? Ko ze ku be nini be ngetembi kimi na? ngenxa yezibonakaliso zonke e ngi zenzile pakati kwabo na?

12 Ngi za kubatyaya ngesifo ngi ba xotywe, ngi ya kukwenza abako ba be isizwe esikulu e si namandhla ku nabo.

13 Wa ti uMosi kuJehova, Ba ya ku-

zwa aba sEgipite, ngokuba wa ba kupula laba bantu ngamandhla ako pakati kwabo.

14 Ba ya kutyela abahleziyo kulelizwe: se be zwile ukuba wena Jehova u pakati kwa laba bantu, aba ku bonayo ubuso ngobuso, wena Jehova, nefu lako li mi pezu kwabo, ngensika yefu u ya hamba pambi kwabo emini, na ngensika yomlilo ebusuku.

15 Manje uma u ba bulala laba bantu njengomuntu munye, zi ya kukuluma izizwe ezi zwile udumo lwako, zi ti,

16 Ngokuba uJehova u be nge namaandhla ukuyisa laba bantu ezweni o wa li fungela kubo, ngakoke u se ba bulele ehlane.

17 Kaloku, ngi ya kuncenga, sengati amandhla enkosi yami a nga kula njengokuba u tyilo, ukuti,

18 uJehova o puza ukutukutela, o nomusa omkulu, o tetelela ukona nokupambuka, o nga m yekiyo o necala, o pindisayo isono sa oyise pezu kwabantwana ku ze ku be isizukulwana sesitatu nesesine.

19 Tetelela, ngi ya kuncenga, isono sa laba bantu, njengobukulu bomusa wako, na njengaloku u ba tetelele laba bantu Egipite ku ze ku be manje,

20 Wa ti uJehova, se ngi ba tetelele njengezwi lako;

21 Kodwa, ngokuphila kwami impela ubukosi buka Jehova bu ya kugewalisa umhlaba wonke.

22 Ngokuba onke amadoda a bonileyo inkazimulo yami, nezimangaliso zami e ngi zenzileyo Egipite, na sehlane, kepa se be ngi lingile kaloku kashuni, a bezwa izwi lami;

23 Impela a ba yi kulibona izwe e nga li fungela koyise, bonke aba ngi delayo, a ba yi kulibona.

24 Kodwa inceku yami uKalebi, ngokuba u nomunye umoya, wa ngi landela ngokwempela, ngi ya kumyisa yena ezweni a ya kulo; inzalo yake i ya kulifuya.

25 (AmaAmaleki namaKenani akile emfundeni,) ngomso guqukaani ni ye ehlane ngendhlehla yolwandhle olubomvu.

26 uJehova wa kuluma kuMosi noAroni, e ti,

27 Ko ze ku be nini ngi bekezele leli bandhla elibi, eli ngi solayo na? Ngizwile insolo yabantwana ba kwa Israeli aba ngi sola ngayo.

28 Yityo kubo, Ngokuphila kwami impela, u ti uJehova ngi zo kwenza kini njengokukuluma kwenu ezindhlebeni zami.

29 Zi za kuwa izidumbu zenu ku lelihlane, nabo bonke ababalwayo kiini, njengomumo wonke wenu u qale ko nemi nyaka e amashuni amabili na ngapezulu kwa ba ngi solayo.

30 A ni so ze na fika ezweni e ngi pakamisile isandhla sami uku ni beka kulo, kupela uKalebi umfo ka Jafuna noJoshua umfo ka Nuni.

31 Izingane zenu, e ni ti, zi ya kuba impango, ngi ya kuzingenisa, zi ya kulazi izwe e na li delayo.

32 Kepa nina, izidumbu zenu zi ya kuwa ku lelihlane.

33 Nabantwana benu ba ya kuzula ehlane iminyaka emashumi mane, betwala ukupinga kwenu, zi ze zi pele izidumbu zenu ehlane.

34 Njengobuningi bezinsuku e na hlola ngazo izwe, izinsuku ezi amashumi amane, usuku umnyaka, no twala izono zenu iminyaka e mashumi mane, nazi ukufulatela kwami.

35 Mina, Jehova, ngi tyilo, umia ngi nga kwenzi loku kulo lonke leli bandhla elibi aba ngi hlanganyeleyo; ku lelihlane ba ya kupela, ba fele lapo.

36 Lawa amadoda a wa tuma uMosi ukuhlola izwe, a buya a solisa lonke ibandhla ngokuveza ukuhleba izwe;

37 Lawa amadoda a veza ukuhleba izwe, a fa ngesifo pambi kuka Jehova.

38 Kodwa uJoshua umfo ka Nuni noKalebi umfo ka Jefuna aba be nalawa madoda ukuhlola izwe, ba pila.

39 uMosi wa ba tyela lawa mazwi bonke a ba kwa Israeli; abantu ba lila kakulu.

40 Ba vuka ekuseni ba kupukela esiqongweni sentaba, be ti, Bheka, si lapa si zo kupukela ku leyo ndawo, e ya tyiwo uJehova ngokuba sonile.

41 Wa ti uMosi, ni leqeleni izwi lika Jehova na? Loku a ku yi kuba nenhlanhla.

42 Ni nga kupuki ngokuba uJehova amuko pakati kwenu, ukuba ni nga tyaywa pambi kwezita zenu.

43 Ngokuba amaAmaleki namaKenani a kona pambi kwenu, ni ya kuwa ngenkamba, ngokuba ni buyile emva kuJehova, ngako a ka yi kuba nani uJehova.

44 Kodwa ba pikelela ukukupuka, ba

ya esiqongweni sentaba; kepa umpo- ngolo wesivumelwano sika Jehova, no- Mosi a wu puma ekamwini.

45 Ehla amaAmaleki namaKenani a e hlezi kuleyontaba, aba tyaya, aba xoty- ba ze ba fika eHorma.

ISAHLUKO 15.

WA tyo uJehova kuMosi, e ti;

2 Yityo kubantwana ba kwa Israeli, u ti kubo; uma se ni fikile ezweni e ni ya kuhlala kulo, e ngi ni nike lona,

3 Nenze umnikelo kuJehova, umni- kelo wokutya, noma umnikelo woku- feza isifungo, noma owokubonga, noma ngesikati esimisiweyo senu, ukwenza ipunga elimnandi kuJehova, owezinko- mo, noma owezimvu.

4 Konake onikelayo umnikelo wake kuJehova wo leta umnikelo wokudhla, okweshumi kwempupu ku xutyiwe no- kwesine kwehini lamafuta.

5 Newaini li be umnikelo wokupuza, okwesine kwehini u ya kukulungisa no- mnikelo wokutya, noma nomhlatyelo weundhlu li linye.

6 Noma inqama ni ya kuyenzela umnikelo wokudhla okweshumi izili- nganiso ezimbili zempupu ecolisiweyo e xutywe namafuta okwesitatu kwe- hini.

7 Newaini li be umnikelo wokupuza, okwesitatu kwehini u ya kukunikela, li be ipunga elimnandi kuJehova.

8 Na lapo wenze inkunzi i be umni- kelo wokutya, noma umhlatyelo woku- feza isifungo, noma iminikelo yokutula, kuye uJehova;

9 Wo leta nenkunzi umnikelo woku- dhla kokweshumi kwempupu ecolisiwe- yo izilinganiso ezintatu i xutywe nana- futa inxenye yehini.

10 Newaini wo li leta, li be umnikelo wokupuza inxenye yehini, nomnikelo owenziwa ngomlilo a be ipunga elimna- ndi kuJehova.

11 Ku zo kwenziwa njalo ngenkunzi enye, noma ngenqama enye, noma nge- undhlu, noma ngezinyane lembuzi

12 Njengeningi e ni lenzayo, kunjalo ni ya kwenza kuleyo, njengobuningi bazo.

13 Bonke aba zalwa kulelozwe ba zo kwenza lezi zinto kunjalo, ukunikela umnikelo owenziwa ngomlilo, ipunga elimnandi kuJehova.

14 Uma o wa senzini e hlala nani, noma ubani u pakati kwenu ngezizuku-

lwana zenu, enza umnikelo owenziwa ngomlilo, ipunga elimnandi kuJehova, njengokuba nenza nina, wo kwenza naye.

15 Isimiso sinye kinina bebandhla, na kuye o wasemzini ohlalayo nani isimiso njalo ngezizukulwana zenu, njengani, u zo kuba njalo o wasemizini ebusweni buka Jehova.

16 Umteto omunye nomyalo omunye u ya kuba na kuye o wasemzini ohlala- yo nani.

17 Wa tyo uJehova kuMosi, e ti;

18 Yityo kubantwana bakwaIsraeli, u ti kubo, Ekufikeni kwenu ezweni e ngi ni yisa kulo;

19 Ko ti ekudhleni kwenu isinkwa se- zwe, ni ya kunikela umnikelo wokupa- kamisa kuJehova.

20 Ni ya kunikela isinkwa senhlama yenu yolibo si be umnikelo, ni ya ku- si pakamisa njengomnikelo wokupaka- nyiswa wesibuya.

21 Njengenhlama yenu yokuqala ni ya kunikela kuJehova umnikelo woku- pakanyiswa ngezizukulwana zenu.

22 Uma ni dukile, a nenza yonke imiyalo le a i shumayelayo uJehova ku- Mosi,

23 Konke uJehova a ni yala ngako ngesandhla sika Mosi; ku suka ku lolo suku uJehova a yala ngalo, na ngapa- mbili ngezizukulwana zenu.

24 Ko ti uma kwenziwa uto ngoku- ngazi ngapandhle kwamehlolo ebandhla, lonke ibandhla li ya kunikela inkunza- na yenkomo i be inye, i be umnikelo wokutya, i be ipunga elimnandi kuJe- hova, nomnikelo wayo wokudhla, no- mnikelo wokupuza, njengomyalo, ne- mpongo i be inye i be umnikelo we- sono.

25 Umpristi u ya kulihlaulela lonke ibandhla labantwana bakwaIsraeli, ba tetelelwe ngokuba ku ukungazi, nabo ba ya kuleta umnikelo wabo, umnikelo owenziwa ngomlilo kuJehova, nomni- kelo wabo wesono ebusweni buka Jeho- va, ngenxa yokungazi kwabo.

26 Li ya kutetelelwa lonke ibandhla labantwana bakwaIsraeli, kanye nowa senzini ohlalayo pakati kwabo, ngoku- ba bonke abantu ba be nokungazi.

27 Uma umuntu ona ngokungazi, u ya kuleta iqukazana lomuyaka munye li be umnikelo wesono.

28 Nompristi u ya kulihlaulela umu- ntu owonayo ngokungazi ebusweni bu-

ka Jehova, uku m hlaulela u ya kutetelelwa.

29 Owezwe o pakati kwabantwana bakwaIsraeli, nowasemzini o hlalayo pakati kwabo wo ba umteto omunye kini ukwenza ngokungazi.

30 Nompefumlo owenza ngokweyisa, noma owa lelozwe, noma owasemzini, u ya m tuka uJehova, lompefumlo u zo nqunyelwa ngapakati kwabantu ba kubo.

31 Ngokuba u li delile izwi lika Jehova, nomyalo wake u wu pulile, u zo nqunyuwa impela lompefumlo, isono sake si be pezulu kwake.

32 Kwa ti abakwaIsraeli be sehlane, ba fumana indoda i teza izinkuni ngosuku lwesabata.

33 Aba m fumanisa e teza izinkuni ba m yisa kuMosi noAroni, na kulo lonke ibandhla.

34 Ba m beka ekulindweni, ngokuba kwa ku nga tyiwo ukuti, ku zo kwenzinani kuye.

35 Wa ti uJehova kuMosi, u zo kufa nokufa lomuntu, ibandhla lonke li ya kumkanda ngamatye ngapandhle kwekamu.

36 Lonke ibandhla la m pumesela ngapandhle kwekamu, ba m kanda ngamatye wa ze wa fa, njengaloku uJehova a m yala uMosi.

37 Wa tyo uJehova kuMosi, e ti,

38 Yi tyo kubantwana bakwaIsraeli, u ti kubo, ukuba ba zenzele ubulwembu empetweni wezingubo zabo, ngezizukulwana zabo, nokuba ba beke ebulwembini bompeto intambo eluhlaza.

39 Bu ya kuti kini bu be ubulwembu, ukuba ni bu beke, ni kumbule yonke imiyalo ka Jehova, ni yenze, ni nga pambuki ni landele izinhliziyu zenu namehlenu, e ni be ni hamba ni hexeza emva kwawo.

40 Ukuba ni kumbule nenze yonke imiyalo yami ni be aba ingeweke baka Tixo wenu.

41 Ngi uJehova uTixo wenu, o wa ni pumasa ezweni lasEgipite, ngi be uTixo kini. Ngi uJehova uTixo wenu.

#### ISAHLUKO 16.

**U**KORA indodana ka Izhari indodana ka Kohati, indodana ka Levi, noDatane noAbiram, amadodana ka Eliabi noOni, indodana ka Pelete, amadodana ka Rubeni, ba buta amadoda:

2 Ba zimisa ngapambi kuka Mosi, ka-

nye nabanye aba kwa Israeli, amakosana ebandhla a ngamakulu amabili nama-shumi a isihlanu, a dumileyo ebandhleni, na nga maqawe:

3 Ba butana ngapambi kuka Mosi noAroni, ba ti kubona. Ni zetwesa kakulu nina, njenga loku lonke ibandhla li ingeweke, bonke ngoqobo, noJehova e kubona: Ni zipakamiselani pezu kwebandhla lika Jehova na?

4 Lapo e se ku zwile loko uMosi, wa wa pansi ngobuso:

5 Wa kuluma kuKora na kulo lonke ibandhla lake, wa ti, ngomuso loku uJehova u ya kubaveza abake, naye o ingeweke, a menze ukuba a sondele kuye: yena a m ketileyo impela a m sondeze kuyena.

6 Yenzani loku: Tatani izitya, wena Kora, nebandhla lonke lako.

7 Ni fake kuzona umlilo, nempepo ngapambi kuka Jehova ngomuso: ku ti a ketwayo nguJehova ku be uyena ingeweke: ni zetwesa kakulu, nina madodana ka Levi.

8 Wa ti uMosi kuKora, Yizwani ngi ya ni ncenga, nina madodana ka Levi:

9 Ku into encane kinina, ukuba uTixo ka Israeli e nahlukanisile ebandhleni lika Israeli, ukuba e ni sondezele eduze kwake nenze umsebenzi wendhlu ka Jehova, nokuba ni me ngapambi kwebandhla uku li kulumela na?

10 U ni sondezile eduze kwake, nabafo wenu bonke amadodana ka Levi kanye nani: ninake ni fisa nobupristi futi na?

11 Ngokuba wena nebandhla lonke lako ni hlangeyela uJehova ngaloko: uAroni, u ngubani yena, ukuze ni m sole na?

12 uMosi wa tuma wa biza uDatane noAbiram, amadodana ka Eliabi; a ba ti, A si yi kukupuka tina:

13 Ku into encane ukuba u si kipe ezweni eli veza ubisi nezinyosi, ukuba u si bulale ehlane, u zenze u be inkosi pezu kwetu wedwa na?

14 Futi a u si letanga ezweni eli veza ubisi nezinyosi, noku si nika ifa lamasi-mu nezivini: u ya kuba kipa amehlolo laba bantu na? tina a si yi kukupuka.

15 uMosi wa tukutela kakulu, wa ti kuJehova, U nga zi naki izipo zabo; A ngi tatanga na inye imbongo kubo, a ngi limazanga namunye futi,

16 uMosi wa ti ku Kora, Ngomuso wo ba ngapambi kuka Jehova, wena, nabo, noAroni nebandhla lonke lako:

17 Ilowo njalo a pate isitya sake, a fake impepo kona, ni lete kuJehova ku be ilowo isitya sake, izitya ezi ngamakulu amabili namashumi a isihlanu; nawe noAroni, i lowo isitya sake.

18 Kwa ba ilowo wa tata isitya sake, wa faka kona umlilo, wa beka impepo, wema emnyango wendhlu yomhlangano kanye noMosi noAroni.

19 uKora wa li butela lonke ibandhla emnyango wendhlu yomhlangano, nodumo luka Jehova lwa bonakala kulo lonke ibandhla.

20 uJehova wa kuluma kuMosi na ku Aroni, e ti,

21 Zahlukaniseni ku leli bandhla, ukuze ngi ba qede masinyane.

22 Ba se be wa bona ngobuso, ba ti, 'o Tixo, uTixo weminoya yenyama yonke, ku ya kona umuntu munye, u tukutelele lonke ibandhla na ?

23 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

24 Kuluma kulo ibandhla, u ti, Sukani nga kulo itabanekele lika Kora, noDatane noAbiramu.

25 uMosi wa vuka wa ya kuDatane na kuAbiramu, nezikulu za kwa Israeli za m landela.

26 Wa kuluma ebandhleni wa ti, Sukani ngi ya ni ncenga, ezindhlini za laba bantu ababi, ni nga tinti luto lwabo, funa ni qedwe kanye nezono zonke zabo.

27 Ngako ba suka nga kulo itabanekele lika Kora, noDatane, noAbiramu, ngalapa na ngalapa: noDatane noAbiramu ba puma, bema ngasemnyango yezindhlu zabo, nabafazi babo, namadodana abo, nezingane zabo

28 uMosi wa ti, Ngaloku ni ya kwazi ukuba uJehova u ngi tumile ukukwenza konke loku; ngokuba a ngi kwenzanga ngowami umcabango.

29 Uma laba bantu be bulawa ukufa kwabantu bonke, noma be fikelwa oku fikela abantu bonke; uJehova a ka ngi tumanga.

30 Kodwa uma uJehova enza into entya, nonihlaba u vula umlomo wawo, u ba gwinye, nako konke okwabo, ba tyone masinyane egodini, no kwazike ukuba laba bantu ba m tukutelisile uJehova.

31 Kwa ti, e se wa qedile lawa mazwi, umhlabati o ngapansi kwabo wa vuleka:

32 Nonihlaba wa wu vula umlomo wawo, wa ba gwinya, nezindhlu zabo, nabo bonke abantu baka Kora, nempahlila yonke yabo.

33 Bona, nabo bonke ababo, ba ngena bezwa egodini, nomhlaba wa ba m boza: ba hlukaniswa ngokufa ebandhleni.

34 Nabo bonke aba kwa Israeli aba be nga kona ba balekiswa ukukala kwabo; ngokuba ba ti, funa umhlaba u si gwinye nati.

35 Kwa vela umlilo u puma kuJehova wa ba bulala aba be tyisele impepo aba ngamakulu amabili namashumi a isihlanu.

36 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

37 Kuluma kuEleazari indodana ka Aroni umpristi, ukuba a zi tate izitya emlilweni, nawe u wu hlakaze umlilo lapaya; ngokuba zi ingewele.

38 Izitya za lezi zoni nga kuyo imipefumulo yabo, ma ba lenzele ilati, izisibekelo ezibanzi: ngokuba ba zi nikela ngapambi kuka Jehova, ngako zi ingewele: zi ya kuba isibonakaliso kubantwana baka Israeli.

39 uEleazari umpristi wa zitata izitya zetusi, e za zi nikelwe aba tyileyo: kwenziwa ngazo izisibekelo ezibanzi ukusibekela ilati.

40 Ku be isikumbuzo kubantwana baka Israeli, ukuba isihambi o ku nge iso senzalo ka Aroni, si nga sondeli ukunikelela impepo ngapambi kukaJehova; ukuze a nga bi njengoKora, na njengebandhla lake: njengokutyo kuka Jehova kuyena ngesandhla sika Mosi.

41 Kodwa ngosuku olulandeleyo lonke ibandhla labantwana baka Israeli ba nkonona kuMosi nakuAroni, ba ti. Ni ba bulele abantu baka Jehova.

42 Kwa ti, ibandhla se li butene kuMosi noAroni, ba bheka kulo itabanekele lebandhla: ba bona, ifu li li mbozile, nodumo luka Jehova lwa vela,

43 uMosi noAroni ba fika ngapambi kwetabanekele lebandhla.

44 uJehova wa kuluma kuMosi, e ti,

45 Sukani kulelibandhla, ukuba ngi ba qede masinya. Ba se be wa pansi ngobuso.

46 Wa ti uMosi kuAroni, Tabata isitya, u fake kona umlilo o selatini, u beke kona impepo, u ye masinyane kulo ibandhla, u benzele isihlaulelo: ngokuba lu pumile ulaka kuJehova; ukufa ku qalile.

47 uAroni wa tata njengesiyalezo sika Mosi, wa gjijina e ziponsa kulo ibandhla; kwa ti, bheka, ukufa kwa se ku qalile kubantu; wa beka impepo wenzela abantu isihlaulelo.



48 Wema emkatini wabafileyo naba pilileyo; ukufa kwa pela.

49 Bona aba bulawa i loku kufa ba be izinkulungwane ezi ishumi nane nama-kulu a isikombisa, ngapandhle kwabo aba be bulewe ngendaba ka Kora.

50 uAroni wa buyela kuMosi emnyango wetabanekele lebandhla: lokokufa kwa pela.

#### ISAHLUKO 17.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, wa ti, 2 Kuluma kubantwana baka Israeli, u tate ku lowo njalo induku njengendhlu ya oyise, kumakosana onke abo ngezindhlu za oyise, izinduku ezi ishumi nambili: u lobe njalo igama lomuntu endukwini yake;

3 U lobe igama lika Aroni endukwini ka Levi: ngokuba induku inye i ya kuba ikanda lendhlu ya oyise.

4 U zi bekelele kulo itabanekele lebandhla ngapambi komteto, lapo ngi ya kuhlangana nawe kona.

5 Ko ti, induku yomuntu e ngi ya kuniketa, i ya kuqakaza: ngenze ukuba ku pele ngakini ukunkonona kwabantwana baka Israeli, aba ku sola ngako.

6 uMosi wa kuluma kubantwana baka Israeli, nawo onke amakosana abo a ni nika ilowo njalo induku, ileyo nkosana inye njengendhlu ya oyise, izinduku ezi ishumi nambili: nonduku ka Aroni ya i pakati kwezinduku zabo.

7 uMosi wa zi bekelela izinduku kulo itabanekele lomteto ngapambi kuka Jehova.

8 Kwa ti ngomuso uMosi wa ngena kulo itabanekele lomteto; wa bona induku ka Aroni yendhlu ka Levi i nezinhlamvu i qakazekile, i tela amaalmondi.

9 uMosi wa leta izinduku zonke e za zi ngapambi kuka Jehova; kwa ba kwa Israeli bonke ba bheka, kwa ba ilowo wa tata induku yake.

10 Wa ti uJehova kuMosi, Buyisela futi induku ka Aroni ngapambi komteto i ngeinwe i be isibonakaliso kubahlubuki; u suse impela konke ukunkonona kwabo kimina ukuba ba nga fi.

11 uMosi wa kwenza loko; njengokuyaleza kuka Jehova, wenze njalo.

12 Abantwana baka Israeli ba kuluma kuMosi, ba ti, Bheka, si ya fa, si ya pela, si pela sonke.

13 O sondelayo eduze kwetabanekele lika Jehova u ya kufa: kuhle ukuba so ze si pele ukufa na?

#### ISAHLUKO 18.

UJEHOVA wa ti kuAroni, Wena namadodana ako nendhlu kayihlo kanye nawe, ni ya kutwala izono zendhlu e ingewele, nawe kanye namadodana ako no twala izono zobupristi bako.

2 Nabafo wenu futi bezizwe sakwa Levi, isizwe sika yihlo, ba letе kanye nawe ukuba ba hlanganiswe nawe, ba konze kuwe: kodwa wena namadodana ako no konza ngapambi kwetabanekele lomteto.

3 Ba wondhle umsebenzi wako, nomsebenzi walo lonke itabanekele; kodwa a ba yi kusondela ezityeni ezi ingewele nelati, ukuze bona, nawe futi, ni nga fi,

4 Ba ya kuhlanganiswa nawe, bondhle umsebenzi wetabanekele lebandhla, kuwo wonke umsebenzi wetabanekele: nesihambi si nga sondeli kini.

5 Ni wondhle umsebenzi wendhlu e ingewele, nomsebenzi welati: ukuze lu nga be lu sa biko ulaka futi pezu kwabantwana baka Israeli.

6 Futi mina, bheka, mina ngi ba tatile abafa wenu abaLevi kubantwana baka Israeli: ba nikwe nina ba be isipo sika Jehova, ukuwenza umsebenzi wetabanekele lebandhla.

7 Ngakoke wena namadodana ako kanye nawe ni ya kuwulungisa umsebenzi wobupristi kuko konke okwelati, na ngapakati kweveli; ni ya kusebenza; ngi ni nikile umsebenzi wenu wobupristi u be umsebenzi wesipo: isihambi esi sondelayo si ya kubulawa.

8 uJehova wa kuluma kuAroni, wa ti Bheka, Ngі ku misile ukuba u mele imihlabelo yami e ponswayo kuko konke oku ingewele kwabantwana baka Israeli; ngi ku nike wena loku ngenxa yokugeotywa, na kumadodana ako, ngomteto ku ze ku be pakade.

9 Loku ku ya kuba okwako ezintweni ezi ingewele kakulu, ezi nga yisiwa emlilweni: konke okuletiweyo kwabo, wonke umhlabelo wabo wenyama, nawo wonke umhlabelo wabo wesono, nawo wonke umhlabelo wabo wokushinga, a ba ku leta kimina, loku ko ba ngewele kakulu kuwena na kumadodana ako.

10 Wo kudhla endaweni e ingewele kakulu, isilisa sonke si ya kukudhla: ko ba ngewele kuwena.

11 Na loku ku ngokwako; umhlabelo oponswayo wesipo sabo, kanye nomhlabelo wonke wokuzuliswa wabantwana

baka Israeli ngi wu nikele wena, namadodana ako namadodakazi ako kanye nawe, u be umteto njalo njalo: bonke aba hlambulukileyo endhlini yako ba ya kukudhla,

12 Konke okuhle kwamafuta, nokwe-waini, nokuka kolweni, izitelo zakuqala zazo ezi nikwa kuJehova, ngi ku nikile kona.

13 Nako konke okuvutwa kuqala ezweni, a ba ku letayo ku Jehova, ko ba ngokwako; bonke aba hlambuluki-leyo endhlini yako ba ya kukudhla,

14 Konke okubekiweyo uIsraeli koba ngokwake.

15 Konke okuzalayo enyameni yonke aba ku leta kuJehova, noma umuntu noma isilwane, ko ba okwako; noko izibulo lomuntu u ya kulikulula impela, namazibulo ezilwane ezingcolileyo u ya kuwakulula.

16 Nazo ezi ya kukululwa emva kwe-nyanga inye u ya kukulula, njengoku-bona kwako, ngemali yamashekeli a isi-hlanu, njengeshekeli lendhlu e ingewe-le, eli ngamagera a ngamashumi ama-bili.

17 Kodwa okwamazibulo kwenkomo nokwemvu nokwembuzi, a u yi ku ku kulula; ku ingewele; u ya kufafaza igazi lako pezu kwelati, u tyise amafuta a bo a be umhlabele womlilo, wepunga eli mmandi kuJehova.

18 Nenyama yawo i be ngeyako, nje-ngebele nehloambe lokunene, ku okwa-ko.

19 Yonke imihlabele yokupakanyiswa yezinto ezi ingewele, e nikwa uJehova ngabantwana baka Israeli, ngi i nike wena, namadodana namadodakazi ka-nye nawe, ku be umteto njalo njalo: ku isivumelwano sika saoti kuwena na kwabako ngapambi kuka Jehova ku be njalo njalo.

20 uJehova wa kuluma kuAroni, wa ti A u yi kuba nalo ifa ezweni labo, u nga bi nandaba futi kubona; mina ngi ngowako nefa lako kubantwana baka Israeli.

21 Bheka, ngi ba nikile abakwaLevi zonke izinxenye zeshumi kwaIsraeli zi be ifa labo, ngomsebenzi wabo aba wenza-yo, umsebenzi wetabanekele lebandhla.

22 Nabantwana baka Israeli ma ba ngabe ba sa sondela kulo itabanekele le-bandhla, funa ba be nesono, ba fe.

23 Kodwa abaLevi ba ya kwenza umsebenzi wetabanekele lebandhla, ba

twale izono zabo; ku be umteto njalo njalo kuzo izizukulwana zenu ukuti aba nalo ifa kubantwana baka Israeli.

24 Kodwa izinxenyana zeshumi zabantwana baka Israeli, aba zi nikayo zi be izipo zokupankanyiswa ku Jehova, ngi zi nikile abaLevi uku zi fuya: ngako ngi ba tyelile ukufuti, kubantwana baka Isra-eli a ba yi kutfuya luto.

25 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

26 Kuluma kwaba kwaLevi, u ti ku-bona, Lapo ni tatayo kubantwana baka Israeli izinxenye zeshumi e ngi ni nike zona ngi zi tate kubona zi be ifa lenu ni ya kunikela ngazo kuJehova, inxenye yeshumi yazo.

27 Na lomhlabele wokupakanyiswa u ya kumiselwa nina, kungati umbila endaweni yokubula, nokugewala kwesi-kamo sewaini.

28 Ka njaloke ni nikele umnikelo ku Jehova kuzo zonke izinxenye zenu zeshumi, e ni zamkela kubantwana baka Israeli, ni nike ko wokupakanyiswa ka Jehova kuAroni umpristi.

29 Ku zo zonke izipo zenu konke oku-pakanyiswayo kuka Jehova no nikela okunonileyo konke kwako okuingewele kuko.

30 Ngako u ya kuti kubona, Lapo se ni ku pakamisile okulungileyo kuko, ko balelwa kubaLevi kube inzalo ye-ndawo yokubula, nenzalo yesikamo se-waini.

31 Ni ku dhle ezindaweni zonke, nina nabezindhlu zenu; ngokuba ku isipo senu ngomsebenzi wenu kulo itabane-kele lebandhla.

32 A ni yi kuba na sono ngenxa yako, lapo se ni ponsile oku peleleyo kuko: ni nga ngcolisi futi izinto ezi ingewele za-bantwana baka Israeli, funa ni fe.

#### ISAHLUKO 19.

**U**JEHOVA wa kuluma kuMosi na ku-Aroni, e ti,

2 Loku ku ukueasisela komteto o ya-lezwe nguJehova, e ti, Kuluma kuba-ntwana baka Israeli, ba ku letele isitole esibomvu esi nge nabala, esi nge nanso-lo, esi nga laziyo nakanye ijokwe.

3 Ni si nike uEleazari umpristi, a si lete ngapambi kwekamu, omunye a si bulale ngapambi kobuso bake:

4 uEleazari umpristi a tate igazi laso ngomunwe, a fafaze ngalo ka kombisa kona ngapambi kwetabanekele leba-ndhla:

5 Nomunye a si tyise isitole ebusweni bake; isikumba, nenyama, negazi, nobulongwe, a ku tyise kouke.

6 Nompristi a tate umuti wesedare, nowehisope, nokubomvu, a ku ponse pakati lapo ku ya kona isitole.

7 Umpristi a hlanze izingubo zake, a geze umzimba wake ngamauzi, na ngasemuva a ngene ekamu, umpristi a be ngocolileyo ku ze ku hlwe.

8 No si tyisayo a hlanze izingubo zake ngamanzi, nomzimba wake a u geze ngamanzi, a be o ngocolileyo ku ze ku hlwe.

9 Umuntu ohlambulukileyo u ya kububuta umlota wesitole, a wu beke ngandhle kwekamu, endaweni e hlanzekileyo, u ngeinelwe ibanhla laba kwa Israeli u be esahlukaniso samanzi; ku ukuhlanjululwa kwesono.

10 No wu butayo umlota wesitole u ya kugeza izingubo zake a be o ngocolileyo ku ze ku hlwe: loku ku be umteto omayo njalo kubantwana baka Israeli, na kuso isihambi esi hambelawo kubona.

11 O si tintayo isidumbu somuntu ofileyo u ya kuba o ngocolileyo izinsuku ezi isikombisa.

12 U ya kuzihlanza ngako ngosuku lwesitatu, na ngosuku lwesikombisa a be ngohlanzekileyo: kodwa uma e nga zihlanzile ngosuku lobutatu, u ya kuba o ngocolileyo na ngosuku lwesikombisa.

13 O si tintayo isidumbu somuntu ofileyo, a nga zihlanzi, u ngeolisa itabanekele lika Jehova; na lowo mpefumulo u ya kunqunywa kwaIsraeli: ngokuba amanzi esahlukaniso a ka fafazangwa pezu kwake, u ya kuba o ngocolileyo; ukungcola kwake ku se pezu kwake.

14 Loku ku umteto lapo umuntu efayokutente, bonke aba ngenona kona, naba hlezi kona ba ya kuba aba ngocolileyo izinsuku ezi isikombisa.

15 Nezitya zonke ezivulekileyo ezi ngenazo izivalo ezi botywe kuzo, zi ngocolile.

16 Notintayo o bulewe inkemba endhle, noma isidumbu somuntu, noma itambo lomuntu, noma ituna, u ya kuba o ngocolileyo izinsuku ezi isikombisa.

17 Ba tatele umuntu o ngocolileyo umlota wesitole esityileyo wokuhlanjululwa wesono, namanzi a gijimayo a bekwe kona esityeni.

18 Nohlambulukileyo a tate ihisope, a li cwilise emanzini, a li fafaze pezulu kutente, na pezu kwazo zonke izitya, na kubantu a ba be kona, na kuyena o li tintileyo itambo, noma obuleweyo, noma ofileyo, noma ituna:

19 Nohlambulukileyo a fafaze o ngocolileyo ngosuku lwesitatu, na ngolwesikombisa: na ngosuku lwesikombisa a zi hlanze, a geze izingubo zake, a zi geze ngamanzi, a hlambuluke kusihlwa.

20 Kodwa o ya kungeola, a nga zihlambululi lowo mpefumulo u ya kunqunywa kulo ibandhla, ngokuba u i ngocolisile indhlu e ingewele ka Jehova: amanzi esahlukaniso a ka fafazwanga pezu kwake, u ngocolile.

21 Ku be umteto njalo kubona, yena o fafaza amanzi esahlukaniso u ya kugeza izingubo zake; no wa tintayo amanzi esahlukaniso, u ya kuba o ngocolileyo ku ze ku hlwe.

22 Nako konke oku tintwa o ngocolileyo ko ngcola; no ku tintayo loku u ya kungeola ku ze ku hlwe.

#### ISAHLUKO 20.

**K**WA se ku fika aba kwa Israeli, ibandhla lonke, ehlane lakwa Zini ngenyanga yokuqala: abantu ba hlala eKadeshi, uMiriamu wa fa kona, wambelwa kona.

2 A e ngeko amanzi ukuba li puze ibandhla: ba butana kuMosi noAroni.

3 Abantu ba m sola uMosi, ba kuluma, ba ti, Si funga uTixo kwangati nga sa fanati kanye nabafo wetu ngapambi kuka Jehova.

4 Ni li leteleni ibandhla lika Jehova ku lehlilane, ukuba tina nezinkomo zetu si fe na?

5 Ni si kipeleni futi Egipite, uku si leta ku lendawo embi na? a siyo indawo yamabele, ne yemakiwane, ne yezivini, neyamaroni awako futi amanzi okupuza.

6 uMosi noAroni ba suka kulo ibandhla ba ya emnyango wetabanekela lebandhla, ba wa pansi ngobuso: nodumo luka Jehova lwa bonakala kubona.

7 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

8 Tabata induku yako, u li butele ndawonye ibandhla, wena noAroni umfowenu, ni kulume etyeni ngapambi kwamehlo abo; li ya kuwakipa amanzi alo, nawe u ya kubavezela amanzi etyeni njaloke u ya kuliniika ibandhla nezilwane zalo ukuba li puze.

9 uMosi wa i tata induku ngapambi kuka Jehova, njengesiyalezo sake.

10 uMosi noAroni ba li butela ibandhla ngapambi kwetye, wa ti kubona, Yizwani manje, nina bahlubuki; ku dingeka ukuba si ni vezele amanzi kulelitye na?

11 uMosi wa pakamani isandhla sake wa li tyaya kabili itye ngenduku yake; amanzi a puma ngamandhla, nebandhla la puza kanye nezilwane zalo.

12 uJehova wa kuluma kuMosi na ku Aroni, wa ti, Ngokuba ni nga ngi kwelwanga, ukungenza ngewele emehlweni abantwana baka Israeli, ngako a ni yi ku li ngenisa lelibandhla ezweni e nga li nike bona.

13 Lawa a ngamanzi eMeriba ngokuba aba kwa Israeli ba xabana noJehova, yena wahlukaniswa kubo.

14 uMosi wa tuma izigijimi enkosini yaseEdomi zi suka eKadeshi, U ti umfowenu uIsraeli, U ya zazi zonke izinhlupeko ezi si fikeleyo;

15 Na ngokwehlela kobaba betu Egipite nati sa hlala isikati eside Egipite; aba kona ba si hlupa, nobaba betu.

16 Lapo sa kala kuJehova, wa li zwa izwi letu wa tuma ingelosi wa si kipa Egipite futi, bheka, si seKadeshi manje, umuzi okude nomncele wako.

17 Ngi ya kuncenga, ma si dhlule ezweni lako: a si yi ku hamba emasimini na sezivinini, namanzi emitombo si nga wa puzi: si ya kuhamba ngomgwawo wenkosi, a si yi ku pendukela ngalapa na ngalapa, si ze si wu dhlule umncele wako.

18 uEdomi wa ti kuye, A u yi ku dhlula nga kimi, funa ngi ku fikele ngenkamba.

19 Naba kwa Israeli ba ti kuyena, si ya kuhamba ngomgwawo: noma mina nezinkomo zami zi puza amanzi ako, ngo wa kokela, ngapandhle kwako konke okunye so hambauje ngezinyawo zetu.

20 Wa ti yena, a u yi ku dhlula. uEdomi wa ba fikela ngabantu abaningi, na ngesandhla esi namandhla.

21 Njaloke uEdomi wala ukuba ba dhlule aba kwa Israeli ezweni lake: ngako aba kwa Israeli ba pambuka kuye.

22 Naba kwa Israeli, ibandhla lonke, ba suka eKadeshi, ba fika entabeni iHori.

23 uJehova wa kuluma kuMosi na kuAroni entabeni iHori, osebeni lezwe lase Edomi, e ti.

24 uAroni u ya kubutelwa kubantu ba kubo, ngokuba a ka yi ku ngena ezweni e nga li nike aba kwa Israeli, ngokuba ni hlubukile ezwini lami emanzi aseMeriba.

25 Tata uAroni noEleazari indodana yake, u ba kupulele entabeni iHori:

26 U m kumule uAroni izingubo, u zi fake kuEleazari indodana yake. uAroni wo butelwa kubantu bakubo a fe kona.

27 uMosi wenza njesesiyalezo sika Jehova: ba kupukela entabeni iHori emehlweni ebandhla lonke.

28 uMosi wa m kumula uAroni izingubo, zake wa zi faka kuEleazari indodana yake; uAroni wa fa kona pezu kwentaba: uMosi noEleazari behla entabeni.

29 Lapo ibandhla lonke li bona ukuba uAroni u file, ba m lilela izinsuku ezi ngamashumi amatatu, yonke indhlu yakwa Israeli.

## ISAHLUKO 21.

**L**APO inkosi uArade wa seKenani, o wa e hlezi ngaseningezimu, e zwa ukuba abakwaIsraeli ba yeza ngendhlela yezinhlozi, wa lwa nabo, wa tata abanye wa benza izibotywa.

2 AbaIsraeli ba funga isifungo kuJehova, ba ti, Uma wena u nika lababantu esandhleni setu impela, konake si ya kubulala impela imizi yabo,

3 uJehova wa li lalela izwi lika Israeli, wa ba nikela aba seKenani, ba ba qeda kanye nemizi yabo: na leyondawo ba i biza ngokuti iHorma.

4 Ba hambake besuka entabeni iHori ngendhlela yolwandhle olubomvu, uku li haqa izwe la seEdomi nabantu ba hlupoka kakulu ezinhliziyweni ngenxa yendhlela.

5 Abantu ba kuluma kabi ngoTixo, na ngoMosi, be ti, Ni si kipeleni Egipite ukuba si fe ehlane na? ngokuba asiko isinkwa, namanzi kawako; izinhliziyozetu zi ya diywa ilesi sinkwa esilula.

6 uJehova wa ba tumela izinyoka ezi nolaka, za ba luma abantu; abanengi bakwa Israeli ba fa.

7 Ngako abantu beza kuMosi, ba ti, sonile, ngokuba si kulume kabi ngoJehova, na ngawe; kuleka kuJehova, ukuba a suse izinyoka kitina. uMosi wa kulekela abantu.

8 uJehova wa ti kuMosi, yenza inyoka

yetusi, u i mise esibondeni; ku ya kuti yena o lunyiweyo lapo e i buka leyo nyoka, a pile.

9 uMosi wa yenza inyoka yetusi, wa i misa esibondeni, kwa ti olunyiweyo inyoka lapo e i bukayo inyoka yetusi, wa pila.

10 AbakwaIsraeli ba hamba, bemisa eObote.

11 Be suka eObote, bemisa eIjeabaremu ehlane eli ngapambi kweMoabi nga sempumalanga.

12 Besuka lapo, bemisa esigodini saseZaredi.

13 Besuka lapo bemisa ngapambili kweArnoni eli sehlaneni eli puma emnceleleni wezwe lamaAmori; ngokuba iArnoni li isahlukaniso seMoabi, emukatineni weMoabi namaAmori.

14 Ngako ku tiwa enewadini ka Jehova yezimpi, A kwenzileyo elwandhle olubomvu, nasemifulaneni yakwa Arnoni.

15 Nasemifulaneni yemifula e yehlela endaweni ya seAre, e ye ncika emnceleleni weMoabi.

16 Besuka lapo ba ya eBeeri umtombo a kulume ngawo uJehova kuMosi, e ti, Ba butele ndawonye abantu, ngi ba pe amanzi.

17 AbaIsraeli ba se be gwaba lesisihlabelelo, sokuti Vuka, O mtombo; hlabelelani kuwona;

18 Amakosana a wu mbile, u mbiwe izikulu zabantu, ngezwi lomvezi womteto, ngezinkande zabo. Besuka ehlane ba ya eMattana.

19 Be suka eMattana ba ya eNahalieli; besuka eNahalieli, ba ya eBamote.

20 Besuka eBamote esigodini esi sezweni lase Moabi, ba kwela ePisga, eli bhikene neJeshimone.

21 AbakwaIsraeli ba tuma izigijimi ku Sihoni inkosi yamaAmori be ti.

22 Ma si dhlule ezweni lako; a si yi ku pendukela emasinini, nasezivini; si nga wa puzi namanzi emitombo: kodwa so hamba nje ngomgwaqo wenkosi, si ze si li dhlule izwe lako.

23 uSihoni a ka vumanga ukuba abakwa Israeli ba dhlule emnceleleni wake: kodwa uSihoni wa buta bonke abantu bake, wa pumela abakwaIsraeli ehlane: wa fika eJehazi, wa lwa nabakwaIsraeli.

24 AbakwaIsraeli ba m tyaya ngenkamba ba tata izwe lake ku suka eArnoni ku ze ku fike eJaboke, ku bantwana baka Ammoni ngokuba umnce-

le wabantwana bakaAmmoni wa u namandhla.

25 AbakwaIsraeli ba tata yonke lemi-zi: abakwaIsraeli ba hlala kuyo yonke imizi yamaAmori, eHeshbone, nemizana yonke yakona.

26 Ngokuba iHeshbone la li ngumuzi ka Sihoni inkosi yamaAmori, o wa e lwile nenkosi yakuqala yase Moabi wa li tata lonke izwe lake esandhleni sake, kwa ze kwa fika eArnoni.

27 Ngako bona aba kuluma ngeziga ba ti, Ngena eHeshbone, umuzi ka Sihoni ma wakiwe, u lungiswe.

28 Ngokuba umlilo u pumile eHeshbone, ilangabi enzini ka Sihoni li qedile iAre laseMoabi namakosi ezindawo ezinkulu zase Arnoni.

29 Maye kuwena, Moabi ni qediwe, O bantu ba se Kemosha, amadodana namadodakazi ake a sindileyo, u wa fake ebugqilini kuSihoni inkosi yamaAmori.

30 Si dubulile kubona; uHeshbone u file kwa ze kwa fika eDibone, si ba ciftile kwa ze kwa fika eNofa, eMedeba.

31 Njaloke abakwaIsraeli ba hlala ezweni lamaAmori.

32 uMosi wa tumela uku hlola uJazeri, ba i tata imizana yakona, ba xotyaba kwaAmori e aba be kona.

33 Ba penduka ba kupuka ngendhlela yase Bashane; uHogi inkosi ya seBashane wa ba hlasela, yena, nabantu bonke bake, ukulwa eEdrei.

34 uJehova wa ti kuMosi, u nga mesabi, ngokuba ngi m nikile esandhleni sako, nabantu bonke bake, nezwe lake; wo kwenza kuye njengokwenza kwako kuSihoni inkosi yamaAmori, o wa e hlala eHeshbone.

35 Ngako ba m tyaya, namadodana ake, nabantu bonke bake, ba ze ba pela bonke; ba fuya izwe lake.

## ISAHLUKO 22.

**N**ABAKWA Israeli ba qubeka be misa ematafeni ase Moabi nganeno kweJordanani eduze neJeriko.

2 uBalaki indodana ka Zippore wa ku bona konke aba kwenzayo abaIsraeli kwaba kwa Ammoni.

3 uMoabi wa be saba kakulu abantu, ngokuba ba be baningi: wa hlupeka uMoabi ngenxa yabantwana bakwa Israeli.

4 uMoabi wa ti ezikulwini zakwa Midiani, Manje leli bandhla li ya kukota konke oku ngakitina; njengenkabi i

kota utyani basendhle. uBalaki indodana ka Zippore wa e inkosi yamaMoabi ngalesosikati.

5 Wa tumake izigijimi kuBalami indodana ka Beori ukumbiza ePethore, eli nga semfuleni wezwe labantwana babantu bake, eti, Bheka, ku kona abantu aba puma Egipite: bheka, ba sibekele ubuso bomhlaba, ba hlezi nga kimina.

6 Wozake, ngi ya kuncenga, ngi qalekisele laba bantu; ngokuba ba ya ngahlula mina: umhlaumbe ngi ngaba namandhla, si ba tyaye, ngi ba xotye ezweni; ngokuba ngi yazi ukuba o m busisayo wena u busisiwe, naye o m qalekisiyo wena u qalekisiwe.

7 Izikulu zase Moabi nezase Midiani za hamba zi pete izipo zobunuse; za fika kuBalami, za kuluma kuyena amazwi ka Balaki.

8 Wa ti yena kubona, Lalani lapa namuhla, ngo ni buyisela izwi, njengokutyo kuka Jehova kimina: nezikulu zase Moabi za lala kuBalami.

9 uTixo wa fika kuBalami wa ti, Obani laba bantu aba kuwe na?

10 uBalami wa ti kuTixo, uBalaki indodana ka Zippore inkosi yase Moabi u tumele kimina, eti.

11 Bheka, ku kona abantu aba pume Egipite, aba sibekela ubuso bomhlaba; woza manje, u ngi qalekisele bona; umhlaumbe ngi nga bahlula, ngi ba xotye.

12 uTixo wa ti kuBalami, u nga hambu nabo; u nga qalekisi abantu: ngokuba ba ngababusiweyo.

13 uBalami wa vuka kusasa, wa tyo kuwo amakosana ka Balake, ukuti, Buyelani ezweni lenu; ngokuba uJehova u ya ngalela ukuba ngi hambe nani.

14 Amakosana ase Moabi a vuka, a buyela kuBalaki a ti, uBalami u yala ukuzana nati.

15 uBalaki wa tuma amanye amakosana, adumileyo ku na okuqala.

16 A fika kuBalami a ti kuyena, uti uBalaki indodana ka Zippore, Ngi ya kuncenga, u nga tiywa luto ekuzeni kimina.

17 Ngokuba ngo ku misela udumo olukulu, ngi kwenze konke okutyoyo kimina wozake ngi ya kuncenga, ngi qalekisele laba bantu.

18 uBalami wa pendula izinecku zika Balaki wa ti, Uma uBalaki e ngi nika indhlu yake i gwele igolide nesiliva, a

ngi nakulidhlula izwi lika Jehova uTixo wami, ukwenza okuncane nokukulu.

19 Manjeke ngi ya ni ncenga, lalani lapa nani namuhla, ukuze ngi bone oku ya kutyiwo u Jehova kimi futi.

20 uTixo wa fika kuBalami ebusuku, wa ti kuyena, Uma amadoda e fika uku ku biza, vuka u hambe nabo; noko izwi e ngi ya kulityo kuwe, wo lenza.

21 uBalami wa vuka kusasa, wa bopelela umbongolo yake, wa hamba namakosana ase Moabi.

22 Ulaka luka Tixo lwa vuta ngokuhamba kwake: nengelosi ka Jehova ya m vimbela endhlehleni i isita kuyena. Wa e kwele imbongolo, nezinecku zake ezimbili za zi naye.

23 Imbongolo ya bona ingelosi ka Jehova i mi endhlehleni, nenkemba e kokiweyo i sesandhleri sayo; imbongolo ya cezuka endhlehleni ya ya etyanini; uBalami wa i tyaya imbongolo uku i buyisela endhlehleni,

24 Kodwa ingelosi ka Jehova yema endhlehleni yezivini, ku kona udonga ngalapa na ngalapa.

25 Lapo imbongolo i bona ingelosi ka Jehova, ya zityaya odongeni, ya limaza unyawo luka Balami odongeni; yena wa i tyaya futi.

26 Ingelosi ka Jehova ya qubeka, yema endaweni e incingo, lapo ku ngeko nandawo yokupendukela ngalapa nangalapa.

27 Lapo imbongolo i bona ingelosi ka Jehova, ya wa ngapansi kuka Balami, ulaka luka Balami lwa vuta, wa i tyaya ngenduku.

28 uJehova wa wu vula umlomo webombongolo, ya ti kuBalami, Ngenzeni kuwe, ukuze u ngi tyaye katatu na?

29 uBalami wa ti kuyo imbongolo, ngokuba u dhlala ngami: kwangati nga ngi nenkemba esandhleri sami, ngi ku bulale impela manje.

30 Ya ti imbongolo kuBalami, a ngi siyo imbongolo yako na? o i kweleyo ku iloko u ngi fuyileyo ku ze ku be namhla ngake nga kwenza loko kuwena na? Wa pendula wa ti. Qa.

31 uJehova wa vula amehlo ka Balami, wa bona ingelosi ka Jehova i mi endhlehleni, nenkemba i kokiwe esandhleri sayo: wa kotamisa ikanda, wa wa pansu ngobuso.

32 Ya ti ingelosi ka Jehova kuye, u i tyayeleni katatu imbongolo yako na? bheka, ngi pumele wena uku ku vimbe-

la, ngokuba indhlela yako imbi emehlweni ami.

33 Imbongolo ya ngi bona ya ngi cezuleka katatu; uma i be i nga ngi cezuke-langa, nga ngi ku bulele impela, nga i sindisa yona.

34 uBalami wa ti kuyo ingelosi ka Jehova, Ngonile; ngokuba be ngi ngazi ukuba u ngi mele endhleleni; manjele uma u nga tandi, Ma ngi buyele emuva.

35 Ya ti ingelosi ka Jehova kuBalami, Hamba namadoda; kodwa u tyo izwi e ngi ya kulityo mina kupela, Ngako uBalami wa hamba namakosana ka Balaki.

36 Lapo uBalaki e zwile ukuba u Balami u fikile, wa puma uku m hlangabeza komunye umuzi wase Moabi, o semnceleni weArnoni, o se sebeni kude.

37 uBalaki wa ti kuBalami, A ngi tumanga kuwena ngi ku ncenga ukuba u ze kimina na? A u fikanga ngani na? A ngi nawo amandhla uku ku nika udumo na?

38 uBalami wa ti kuBalaki, Bheka ngi fikile kuwe; ngi nawo amandhla uku kuluma kuwena manje na? izwi eli bekwa emlonyeni wami nguJehova ilona e ngi ya kulikuluma.

39 uBalami wa hamba noBalaki ba fika eKirjath-huzote.

40 uBalaki wa hlaba izinkabi nezimvu, wa tuma kuBalami, na kuwo amakosana a e naye.

41 Kwa ti ngomuso, uBalaki wa tata uBalami, wa m leta ezindaweni ezipakemeyo zika Bali, ukuba a ba bone bonke abantu.

ISAHLUKO 23.

**U**BALAMI wa ti kuBalaki, Ngakele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa izinkabi ezi isikombisa neziqama ezi isikombisa.

2 uBalaki wenza njengokutyo kuka Balami; uBalaki noBalami ba nikela kuwo onke amalati inkabi nenqama.

3 uBalami wa ti kuBalaki, Yima emhlabelweni wako otyayo, mina ngi hambe; ingabe uJehova u ya kufika a hlangane nami; konke a ngi kombisa kona, ngo ku tyela wena, Wa kupukela endaweni epakemeyo.

4 uTixo wa hlangana noBalami, wa ti kuyena, Ngi wa lungisile amalati a isikombisa, futi ngi nikele kuwo onke inkabi nenqama.

5 uJehova wa faka izwi emlonyeni ka Balami, wa ti, Buyela kuBalaki, u tyo loku.

6 Wa e se buyela kuyena, wa m bona e mi ngomhlabele wake otyayo, yena namakosana onke aseMoabi.

7 Wa u tata umfanekiso wake, wa ti, uBalaki inkosi yase Moabi u ngi tatile eAramu ezintabeni za sempumalanga, e ti, Woza u ngi qalekisele uJakobe, u ze u u lwe nabakwaIsraeli;

8 Ngi nga m qalekisa kanjani o nga qalekiswa nguTixo na? ngi lwe kanjani nabo a ba ngalwiyo noJehova na?

9 Ngokuba ngi pezu kwamatye ngi ya m bona, noma ngi sezintabeni ngi ya m buka; bheka, labo bantu ba ya kuhlala bodwa, ba nga balwa kanye nezizwe.

10 Ubani o nga bala utuli luka Jakobe na? nobuningi benxenye jobune ka Israeli na? Ma ngi fe ukufa kolungileyo, nokugcina kwami ku be njengokwake!

11 uBalaki wa ti kuBalami, Wenzani kimina na? Ngi ku tatele ukuqalekisa izita zami, kepa, bheka, se u ba busisile ngokupeleleyo.

12 Yena wa pendula wa ti, Ngi nga ku qondi ukukuluma oku bekwe emlonyeni wami nguJehova na?

13 uBalaki wa ti kuyena, Woza, ngi ya kuncenga, si ye kwenye indawo, u ba bone kona; u ya kubona inxenye yabo, u nga ba boni bonke; u ngi qalekisele bona lapo.

14 Wa m leta ensimini yase Zofimi, pezulu kwePisga, waka amalati a isikombisa, wa nikela inkabi, nenqama kuwo onke amalati.

15 Wa ti kuBalaki, Yima lapa ngasemhlabelweni wako otyayo, mina ngi hlangane noJehova lapaya.

16 uJehova wa hlangana noBalami, wa beka izwi emlonyeni wake, wa ti, Buyela futi kuBalaki u tyo ngokuti.

17 Lapo e fika kuyena, Bheka, wa e mi kuwona umhlabele wake, namakosana aseMoabi kanye naye. uBalake wa ti kuye, U kulumeni uJehova na?

18 Wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, Vuka, Balake, u zwe; lalela mina wena ndodana ka Zippore;

19 uTixo a ka siye umuntu, ukuba a qambe amanga; nendodana yomuntu, ukuba a penduke, U tyilo, a ka yi kukwenza na? noma e kulumile a ka yikukulungisa na?

20 Bheka, ngi samukele isiyalezo ukubusisa: yena u busisile; nami a ngi na ku ku pendula.

21 A ka bonanga ububi kwaJakobe,

a ka bonanga ukudelela kwaIsraeli; uJehova uTixo wake u naye, nokumezameza kwenkosi ku pakati kwabo.

22 uTixo wa ba kipa Egipte; u namandhla kungati a wendhluzele.

23 Impela abuko ubunuse kwaJakobe, nokubula kwaIsraeli, nga lesi sikati ko tyiwo ngoJakobe nabakwaIsraeli; Wenzeni uTixo na?

24 Bheka, abantu bo vuka njengebubesi elikulu: ba zipakamise njengebubesi elitya ba nga lali pausi be nga ka i dhli impango, ba puza igazi lobuleweyo.

25 uBalaki wa ti kuBalami, Musa uku-ba qalekiske, musa ukubabusisa futi.

26 uBalami wa pendula uBalaki, wa ti, A ngi ku tyelanga, ukuti, Konke oku kulunywa uJehova, ma ngi kwezwe na.

27 uBalaki wa ti kuBalami, Woza, ngi ya kuncenga; ngi ku lete kwenye indawo, umhlambe uTixo a nga vuma ukuba u ngi qalekisele bona lapo.

28 uBalaki wa yisa uBalami pezu kwePeori, eli beke nga kuJeshimone.

29 uBalami wa ti kuBalaki, Ngakele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa izinkabi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa.

30 uBalaki wenza njengokutyo ku-kaBalami, wa nikela inkabi ninqama kuwo onke amalati.

ISAHLUKO 24.

**L**APO uBalami e bona ukuba uJehova u funa ukubusisa abaIsraeli, a ka yanga, njengasezikatini, ukufuna izanusi, kodwa wa bhekisa ubuso ngasehlane.

2 uBalami wa vula amehlo ake, wa bona abaIsraeli be hlezi kotente babo njengezizwe zabo; umoya ka Jehova wa m fikela.

3 Wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, uBalami indodana ka Beori, u te, nomuntu amehlo ake e vulelwe, u te:

4 U te, ozwileyo amazwi ka Tixo, no si bonile isiboniso sika Mnimandhla, kungati u file, kodwa amehlo ake e vuleleki.

5 Ku kulu ukulunga kotente bako O Jakobe, namaTabanekele ako, O Israeli.

6 Njengezigodi zandile, njengamasi-mu ngasemfuleni, njengemiti yemiya-hali e ya tyalwa uJehova, na njenge-miti yesedare eduze namanzi.

7 U ya kuwatulula amanzi ezityeni zake, nembeu yake i ya kuba semanzini amaningi, nenkosi yake i yakuba ngapezu kuka Agage, nobukosi bake bu ya kupakama.

8 uTixo wa m kipa Egipte, u nawo amandhla kungati a wendhluzele, u ya kuzidhla izita zake ezizweni, a pule amatambo azo, a zi gwaze ngemicibityolo yake,

9 Wa nyonyoba, wa lala njengengonyama, na njengengonyoma enkulu ubani o ngamvuso na? u Busisiwe o ku busisayo, u qalekisiwe oku qalekisiyo.

10 Ulaka luka Balaki lwa vuta ku-Balami, wa tyaya izandhla zake wa ti kuBalami, Ngi ku bizele ukuba u qalekise izita zami kepa bheka, u su zi busisile katatu.

11 Manjeke baleka u ye endaweni yako; be ngi cabanga ukukunika udumo olukulu; kodwa, uJehova u ku vimbele kulolo dumo.

12 uBalami wa ti kuBalaki, A ngi tyongo kuzo izigijimi o bu zi tumile kimina, nga ti.

13 Uma uBalaki e ngi nika indhlu yake i gewele nesiliva negolide, a ngi nakusidhlula isiyalezo sika Jehova, ukwenza okuhle nokubi ngeyami inhliziyi; kodwa oku tyiwo uJehova, i loko e ngi ya kukuluma na?

14 Manjeke, bheka, ngi buyela kubantu bami; woza, ngo ku tyela oku ya kwenziwa i laba bantu, kwabako ezinsukwini ezizayo.

15 Wa kuluma umfanekiso wake wa ti, uBalami indodana ka Peori u te, nomuntu amehlo ake e vulekile u te;

16 U tyilo, o wa zwileyo amazwi ka Tixo, no ku qondileyo ukwazi kopakemeyo, o si bonileyo isiboniso sika Mnimandhla, kungati u file, kodwa amehlo ake e vulelwe:

17 Ngi ya kumbona, kodwa qa manje: ngi ya kumbheka, kodwa qa eduze: ku ya kuvela inkanyezi kuJakobe, intonga i ya kuvuka kubaIsraeli, i tyaye amacala akwa Moabi i bulale bonke abantwana baka Seti.

18 iEdomi li ya kuba ifa, neSira li ya kudhliwa izita zalo, nabo abakwa Israeli benze o kobuqawe.

19 Kwa Jakobe ko puma o ya kubusa, a bulale o ya kusala wa senzini.

20 Lapo e buka uAmaleki, wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, uAmaleki



wa e ngowokuqala wezizwe; kodwa ukugcina kwake ko ba ukuba a fe ku ze ku be pakade.

21 Wa bheka amaKeni, wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, Ukuhlala kwako ku namandhla, nesidhleke sako u si faka etyeni.

22 Noko o wa seKeni u ya kucitwa, a ze a ku tumbe uAsheri.

23 Wa kuluma umfanekiso wake, wa ti, Imbala, ubani o nga pilayo lapo uTixo e kwenza loku na?

24 Imikumbi i ya kuvela osebeni lwa se Kittime, i hlupe uAsheri, noEbere, naye futi a fe ku ze ku be pakade.

25 uBalani wa vuka, wa hamba, wa buyela edaweni yake; noBalaki wa ya ngeyake indhlela.

ISAHLUKO 25.

**A**BAKWA Israeli ba hlala eShittimu nabantu ba qala ukwenza ubufebe namadodakazi ase Moabi.

2 Ba bizela abantu emihlatyelweni yezitixo zabo; nabantu ba dhla, ba kotamela izitixo zabo.

3 Abakwa Israeli ba zihlangenisa noBaal-peori ulaka luka Jehova lwa vuta ngabo abakwa Israeli.

4 Wa ti uJehova kuMosi, Tabata bonke aba izikulu zabantu, u ba panyeke ngapambi kuka Jehova nga selangeni, ukuze ulaka olukulu luka Jehova lu suke kuba Israeli.

5 uMosi wa ti kubahluleli bakwa Israeli, Bulalani bonke abantu aba hlangana noBaal-peori.

6 Kwa ti, bheka, omunye wa kwa Israeli, wa fika wa leta kubafo wabo na semehlweni ka Mosi umfazi wa kubo aba seMidiani, nasemehlweni alo lonke ibandhla lakwa Israeli, e la li kala ngasemnyango wetabanekela lebandhla.

7 Lapo uFinehasi, indodana ka Eleazari, indodana ka Aroni umpristi, e ku bona loko, wa suka e sebandhleni, wa tabata umkonto.

8 Wa landela indoda yakwaIsrael i setenteni wa ba gwaza bobabili, indoda ka Israeli, nomfazi esisiwini sake, njaloke ukufa kwa pela kubantwana baka Israeli.

9 Abafayo ku lokokufa ba be izinkuluugwane ezi ngamashumi amabili nane.

10 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

11 uFinehasi indodana ka Eleazari indodana ka Aroni umpristi, u lu kali-

mile ulaka lwami kubantwana baka Israeli, ngokuba e ba tanda ngenxa yami, ukuze ngi nga ba qedi abantwana baka Israeli olakeni lwami.

12 Njalo ke yityo, Ngi m nika isivumelwano sami sokutula:

13 U ya kuba naso, nenzalo yake emva kwake, isivumelwano sobupristi obungapeliyo, ngokuba wa m kutalela uTixo wake, wa mela abantwana baka Israeli.

14 Igama lo wa bulawayo wakwa Israeli, o wa bulawa kanye nomfazi wa seMidiani, la li nguZimri, indodana ka Salu, inkosana yendhlu enkulu yabakwaSimeoni.

15 Negama lomfazi owa bulawayo la li ngu Kozbi, indodakazi ka Zuzi, wa e inhloko kubantu, nendhlu enkulu eMidiani.

16 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

17 Hlupa abaseMidiani, u ba tyaye;

18 Ngokuba ba ya kuhlupa ngemikuba yabo, a ba ku fikele ngayo ngendaba yakwa Peori, na ngendaba ka Kozbi, indodakazi yenkosana yase Midiani, udade wabo, o wa bulawa ngosuku lokufa ngenxa ka Peori.

ISAHLUKO 26.

**K**WA ti ngasemva kokufa, uJehova wa kuluma kuMosi nakuEleazari indodana kaAroni umpristi, wa ti,

2 Balani ibandhla lonke labantwana baka Israeli, ku suke kwa ba minyaka e ngamashumi amabili nangapezulu, ezindhlini za oyise, bonke abakwa Israeli aba namandhla ukulwa.

3 uMosi noEleazari umpristi ba kuluma kubona ematafeni aseMoabi ngaseJordan, eduze neJeriko, ba ti,

4 Balani abantu, ku suke kwaba minyaka e ngamashumi amabili na ngapezulu; njengesiyalezo sika Jehova kuMosi nabantwana baka Israeli, aba pumileyo ezweni lasEgipite.

5 uRubeni izibulo lika Israeli, abantwana bakaRubeni, uHanoki, o kwavela kuye indhlu yabakwaHanoki noPallu, indhlu yabakwaPallu.

6 uHezroni indhlu yabakwaHezroni, uKarmi, indhlu yabakwaKarmi.

7 Laba ba izindhlu za kwaRubeni ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezingamashumi amane nantatu namakulu a isikombisa namashumi amatatu.

8 Amadodana kaPallu, uEliabi.

9 Amadodana ka Eliabi, uNemueli, no-

Datane, noAbiramu, a ba be dumile ebandhleni, na ba xabana noMosi noAroni be kulo ibandhla lika Kora, lapo ba be xabene noJehova.

10 Umhlaba wa vula umlomo wawo, wa ba gwinya bonke kanye noKora, ukufeni kwa lelo bandhla, ngesikati sokuba umlilo u qede amadoda a ngamakulu amabili namashumi a isihlanu: Bona ba ba isibonakaliso.

11 Noko abantwana baka Kora ka ba fanga.

12 Amadodana ka Simeoni ngezindhlu zawo; aka Nemueli, indhlu yabakwa-Nemueli: aka Jamini, indhlu yabakwa-Jamini: aka Jakini, indhlu yabakwa-Jakini:

13 Aka Zera, indhlu yabakwaZera: aka Shaule, indhlu yabakwaShaule.

14 Lezi zi izindhlu zabakwaSimeoni, izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namakulu amabili.

15 Abantwana naka Gadi, ngezindhlu zabo: aba ka Zefoni, indhlu yabakwa-Zefoni: aba kwa Hagi, indhlu yabakwa Hagi: aba kwa Shuni, indhlu yabakwa Shuni.

16 Aba ka Ozni, indhlu yabakwa-Ozni: aba ka Eri, indhlu yabakwaEri.

17 Aba ka Arodi, indhlu yabakwaArodi: aba ka Areli, indhlu yabakwaAreli.

18 Lezi zi izindhlu zabantwana baka Gadi njengabalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi amane nama-kulu a isikombisa.

19 Amadodana ka Juda a e nguEri no-Onani, uEri noOnani ba fa ezweni lase Kenani.

20 Amadodana aka Juda ngezindhlu zawo; a e nguShela, indhlu yabakwa Shela: naka Farezi, indhlu yabakwa Farezi: nakaZara, indhlu yabakwa Zara.

21 Amadodana aka Farezi, a e nguHezroni, indhlu yabakwaHezroni, naka Hamuli, indhlu yabakwaHamuli,

22 Lezi zi izindhlu zakwaJuda njengabalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nesitupa namakulu a isihlanu.

23 Amadodana ka Isakari ngezindhlu zawo: aka Tola, indhlu yabakwaTola: aka Pua, indhlu yabakwaPua:

24 Aka Jashube, indhlu yabakwaJashube: aka Shimroni, indhlu yabakwa-Shimroni.

25 Lezi zi izindhlu zika Isakari njengabalwayo kubo izinkulungwane ezi

ngamashumi a isitupa nane namakulu amatatu.

26 Amadodana ka Zebuloni ngezindhlu zawo: aka Seredi, indhlu yabakwaSardi: aka Eloni, indhlu yabakwaEloni: akaJaleli, indhlu yabakwaJaleli.

27 Lezi zi izindhlu zabakwa Zebuloni njengabalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa namakulu a isihlanu.

28 Amadodana ka Josefa ngezindhlu zawo a e nguEfraimi noManasa.

29 Amadodana ka Manasa: aka Makiri, indhlu yabakwaMakiri: wa zala uGiladi: kuGiladi kwa vela indhlu yabakwaGiladi.

30 Lawa a ngamadodana kaGiladi, uJezere, indhlu yabakwaJezere: uHeleke, indhlu yabakwaHeleke.

31 Kwa Asriele, indhlu yabakwaAsriele: kwa Shekemi, indhlu yabakwaShekemi

32 KwaShemida, indhlu yabakwaShemida: kwa Heferi, indhlu yabakwa-Heferi.

33 uZelofehade indodana ka Heferi a wa zalanga amadodana, amadodakazi kupela amagama awo a e nguMala, no-Noa, noHogla, noMilka, noTirza.

34 Lezi zi izindhlu zakwa Manasa, aba balwayo kubo ba be izinkulungwane ezingamashumi a isihlanu nambili namakulu a isikombisa.

35 Lawa a ngamadodana ka Efraimi ngezindhlu zawo; uShutela, indhlu yabakwaShutela: aka Bekeri, indhlu yabakwaBekeri: aka Tahane, indhlu yabakwaTahane.

36 Lawa a ngamadodana ka Shutela; aka Eraui, indhlu yabakwa Erani.

37 Lezi zi izindhlu zamadodana ka Efraimi njengokubalwa kwawo, izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili namakulu a isihlanu, Lawa a ngamadodana ka Josefa, ngezindhlu zawo.

38 Amadodana ka Benjamini ngezindhlu zawo: aka Bela, indhlu yabakwaBela: akaAshbeli, indhlu yabakwa Ashbeli: aka Ahiramu, indhlu yabakwaAhiramu.

39 Aka Shufami, indhlu yabakwa-Shufami: aka Hufami, indhlu yabakwa-Hufami.

40 Amadodana ka Bela a e nguArda no-Namani: aka Arda, indhlu yabakwa Arda: naka Namani, indhlu yabakwa-Namani,

41 Lawa a ngamadodana ka Benjami ngezindhlu zawo; aba balwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa.

42 Lawa a ngamadodana ka Dani ngezindhlu zawo: aka Shuhami, indhlu yabakwa Shuhami, Lezi zi izindhlu za kwa Dani ngezindhlu zabo.

43 Bonke aba kwa Shuhami, njengokubalwa kwabo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa naue nama-kulu amane.

44 Abantwana baka Asheri ngezindhlu zabo: aba ka Jimna, indhlu yabakwa-Jimna: aba ka Isui, indhlu yabakwa-Isui: aba ka Beria, indhlu yabakwa-Beria.

45 Kumadodana ka Beria: aka Heberu, indhlu yabakwaHeberu: aka Malekile, indhlu yabakwaMalekile.

46 Igama lendodakazi ka Asheri la li nguSara.

47 Lezi zi izindhlu zamadodana ka Asheri, njengokubalwa kwabo; izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nantatu nama-kulu amane.

48 Amadodana ka Naftali ngezindhlu zawo: aka Jazeli, indhlu yabakwaJazeli: aka Guni, indhlu yabakwaGuni:

49 Aka Jezeri, indhlu yabakwaJezeri: aka Shilemi, indhlu yabakwaShilemi.

50 Lezi zi izindhlu zakwa Naftali ngezindhlu zabo; aba balwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu namakulu amane.

51 Laba aba balwayo kubantwana baka Israeli, ba be izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nenkulungwane namakulu a isikombisa namashumi amatatu.

52 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

53 Izwe li ya kudatyulelwa laba li be ifa labo njengobuningi bamagama abo.

54 Abaningi u ya kubanika ifa elikulu, aba incozana u ba nike ifa eli incozana; ifa li nlike ku lowo njalo njengababalwayo bake.

55 Noko izwe li ya kudatyulwa ngenkato: njengamagama ezizwe za oyise aba ya kulifuya.

56 Njengenkato izwe li ya kwahlukaniswa kwabaningi na kwa ba incozana.

57 Laba ibona aba balwayo kubaLevi ngezindhlu zabo: abakwa Gershoni, indhlu yabakwaGershoni: abakwa Kohati, indhlu yabakwaKohati: aba kwa Merari, indhlu yabakwaMerari.

58 Lezi zi indhlu zabaLevi: indhlu yabakwaLibni, indhlu yabakwaHebрони, indhlu yabakwaMali, indhlu yabakwaMushi, indhlu yabakwaKohati. uKohati wa zala uAmramu.

59 Igama lomka Amramu la li ngu-Jokebede indodakazi ka Levi, o wa zalelwa uLevi Egipte: yena wa zalela uAmramu uAroni noMosi, noMiriamu udade wabo.

60 uAroni wa zala uNadabi, noAbihu, noEleazari, noItamari,

61 uNadabi noAbihu ba fa, ekunikeleni kwabo umlilo ongaziwayo ngapambi kuka Jehova.

62 Aba balwayo kubo ba be izinkulungwane ezingamashumi amabili nantatu, bonke be isilisa ku suke kwabenyanga inye nangapezulu ubudala babo; ngokuba a ba balwanga naba kwa Israeli, ngokuba a ba li nikwanga ifa kanye nabakwaIsraeli.

63 Ilaba abalwayo uMosi no Eleazari umpri, aba bala abakwaIsraeli ematafeni a seMoabi, ngaseJordani eduze naseJeriko.

64 Kodwa kwaku ngeko no yedwa ku laba aba balwa nguMosi noAroni umpri, si lapo ba be bala aba kwa Israeli ehlane lase Sinai.

65 Ngokuba uJehova wa e tyilo ngabo, Ba ya kufela ehlane impela. A ku salanga muntu kubona, uKalebi indodana ka Jefuna, noJoshua indodana ka Nuni, kupela;

## ISAHLUKO 27.

**K**WA se kuza amadodakazi ka Zelo-fehade, indodana ka Heferi, indodana ka Giladi, indodana ka Makiri, indodana ka Manasa, izindhlu za ba kwa Manasa indodana ka Josefa: Lawa amagama amadodakazi ake; uMala, no-Noa, noHogla, noMilka, noTirza.

2 Bema ngapambi kuka Mosi, na ngapambi kukaEleazari umpri, na ngapambi kwamakosana nebandhla lonke, ngasemnyango wetabanekele lebandhla, be ti,

3 uBaba wetu wa fa ehlane wa e ngeko ebandhleni laba be pambene no-Jehova ebandhleni lika Kora; kodwa wa fa ezonweni zake, e nge namadodana.

4 Igama lika baba li pelelani kwa bendhlu yake na? ngokuba e nge nandodana na? si nikenike nati i fa kulo e labafa wabo ka baba.

5 uMosi wa i leta ngapambi kuka Jehova indaba yabo.

6 uJehova wa kuluma ku Mosi, wa ti,

7 Amadodakazi ka Zelofehade a kuluma kahle: impela ma u ba nike ifa kwe labafu wabo ka yise, u buyisele ifa lika yise kubona.

8 U kulume kubantwana baka Israeli, u ti, uma umuntu e fa, e nge nandodana ma ni buyisele ifa lake endodakazini.

9 Uma e nge nayo indodakazi ifa lake, li nikeni abafu wabo.

10 Uma e nge nabo abafu, li nikeni abafu wabo ka yise.

11 Uma uyise e nge nabafu wabo ifa lake li nikeni isihlobo sake sa sendhlini yakwabo, sona si li fuye: ku ze ku be isimiso somteto kubo abakwa Israeli, njengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

12 uJehova wa ti kuMosi, Kupukela entabeni iAbarime, u bone izwe e ngi li nikileyo abakwa Israeli.

13 Lapo se u li bonile, nawe u ya kubutelwa kubantu bakini, njengoAroni umfo wenu.

14 Ngokuba na hlubuka esiyalezweni sami ehlane la se Zini, ekuxabaneni kwebandhla, uku ngenza ngeweke emanzini ngapambi kwamchlo abo: amanzi a se Meriba eKadeshi ehlane la se Zini.

15 uMosi wa kuluma kuJehova, wa ti,

16 uJehova, uTixo wemimoya yonke yenyama, ma ka mise ununtu pezu kwebandhla.

17 O ya ku puma pambi kwabo, no ya kungena pambi kwabo a ba kipe, a ba ngenise; ukuze ibandhla lika Jehova li ngabi njengezimvu ezi nge nalulusi.

18 uJehova wa ti kuMosi, Tabata uJoshua indodana ka Nuni, ununtu o nomoya, u beke isandhla sako pezu kwake;

19 U m mise ngapambi kuka Eleazari umpristi na ngapambi kwebandhla lonke; u m nike isiyalezo emehlweni abo.

20 U beke udumo lwako pezu kwake, ukuze lonke ibandhla lakwa Israeli li m lalale.

21 E me ngapambi kuka Eleazari umpristi, o ya kumecelela ubusiso ngapambi kuka Jehova ngokwabela kuka Urimi ngokutyo kwake ba ya kupuma, ba ngene, yena kanye nabo bonke abakwa Israeli, nalo lonke ibandhla.

22 uMosi wa senza isiyalezo sika Jehova wa tata uJoshua, wa m beka pambi kuka Eleazari umpristi, na ngapambi kwebandhla lonke:

23 Wa beka izandhla zake pezu kwake, wa m nika isiyalezo, njengokutyo kuka Jehova ngesandhla sika Mosi.

## ISAHLUKO 28.

**UJEHOVA** wa kuluma kuMosi, wa ti, 2 Yaleza abakwa Israeli, u ti kubona, Umnikelo wami, nesinkwa somhlabelelo wami womlilo, okwepunga elimnandi kimina, ni ya kunikela kimi ngezikati zako.

3 Uti futi kubona, Umnikelo womlilo e ni ya kuwunikela kuJehova; Amaewane amabili a nge nabala amnyaka munye imihla ngemihla njalo, kube umnikelo womlilo omayo njalo.

4 Elinye iewane ni ya kulihlaba kusasa, nelinye kusihlwa;

5 Nenxenye yeshumi yeefa lempupu li be umnikelo wokudhla, li xubene nenxenye yobune yehini lamafuta a gaiweyo.

6 Loku ku umnikelo wokutyiswa omayo njalo, o wa miselwa u be ipunga elimnandi entabeni iSinai, umhlabelelo womlilo ku Jehova.

7 Nomnikelo wokupuza; kulo iewane linye u ya kuba inxenye yobune yehini, wenze ukuba iwaini eli namandhla li telhelwe uJehova li be umnikelo wokupuza endaweni e ingeweke.

8 Nelinye iewane ni li hlabe kusihlwa; li be umnikelo wokudhla wa kusasa, nowokupuza, ni ku nikele, umnikelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova.

9 Na ngosuku lwesabata amaewane amabili a nge nabala amnyaka munye, nokweshumi kwempupu izilinganiswana ezimbili ku be umnikelo wokudhla, e xubene namafuta, nomnikelo wokupuza kwako:

10 Loku ku umnikelo otyiswayo wamasonto onke, ngapandhle kwawo omayo njalo, nowake wokupuza.

11 Nasokuqaleni kwezinyanga zenu, ni ya kunikela umnikelo otyiswayo kuJehova; izinkabi ezimbili ezintya nenqama, namaewane a isikombisa a nge nabala amnyaka munye;

12 Nokweshumi izilinganiso ezintatu zempupu ku be umnikelo wokudhla e xubene namafuta, enkabini inye; nokweshumi izilinganiso ezimbili ze-

mpupu umnikelo wokudhla, u xubene namafuta kuyo inqama inye;

13 Nezinxenyana zezilinganiso zempupu e xubene namafuta kuwo umnikelo wecwane linye; ku be umnikelo wepunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

14 Neminikelo yabo yokupuza i ya kuba inxenye yehini lewaini enkabini inye, nenxenye yesitatu yehini enqameni, nenxenye yobune ecwaneni, loku ku umnikelo wezinyanga njalo ngomnyaka wonke.

15 Nezinyane lembuzi li nikelwe kuJehova li be umnikelo wesono, ngapandhle kweminikelo yonke etyiswayo, neyokupuza.

16 Nangosuku lweshumi nane lweyanga yokuqala lu ipasika lika Jehova.

17 Nangosuku lweshumi nesihlanu lwayo lenyanga olokudhla; isinkwa esi nge nambiliso si dhliwe izinsuku ezi isikombisa,

18 Ngosuku lokuqala ku be umhlangano o ingewe; ni nga yenzi imisebenzi yenu ngalo;

19 Kodwa ni ya kunikela umnikelo womlilo u be umnikelo otyisiweyo kuJehova; izinkabi ezimbili, ezintya nenqama inye, nama cwane a isikombisa amnyaka munye: a za kuba kinina oku nge nabala:

20 Nomnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta okweshumi kwezilinganiso ezintatu ni nikele kwene inkabi, nokweshumi kwezilinganiso ezibili kulo icwane;

21 Nezinxenyana zesilinganiso u nikele ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:

22 Nembuzi inye, umnikelo wezono, ku be ukusindiswa kwenu.

23 Ni nikele loku ngapandhle komnikelo wakusasa, ku be umnikelo otyiswayo omayo njalo.

24 Kanjaloke ni nikele zonke izinsuku, kuzo ezi isikombisa, ukudhla komnikelo womlilo, o ipunga elimnandi kuJehova; ko nikelwa ngapandhle komnikelo otyisiweyo omayo njalo, nowokupuza.

25 Na ngosuku lwesikombisa ni ya kuba nomhlangano o ingewe; ni nga wenzi umsebenzi wenu wemihla,

26 Futi ngosuku lwezitelo ezi ulibo, lapo ni letayo umnikelo omutya wokudhla kuJehova, e se pelile amasonto

enu, ni be nomhlangano o ingewe; ni nga wenzi umsebenzi wemihla:

27 Kodwa ni wu nikele umnikelo u be ipunga elimnandi kuJehova; izinkabi ezimbili ezintya, inqama i benye, nama cwane a isikombisa amnyaka munye;

28 Nomnikelo wabo wempupu u xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zempupu enkabini inye, izilinganiso ezimbili enqameni inye.

29 Isilinganiso esincinyane ecwaneni linye, emacwaneni.

30 Nelinye izinyane lembuzi, ni hlau le ngalo.

31 Ni nikele lona ngapandhle komnikelo otyiswayo omayo njalo, nowokudhla, (loko ku be kinina oku nge na bala) neminikelo yabo yokupuza.

### ISAHLUKO 29.

**N**A ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwayo, ma ni be nomhlangano o ingewe; ni nga wenzi umsebenzi wemihla: ku ngusuku lokutyaya amatilongo kinina.

2 Ni nikele umnikelo otyiswayo u be ipunga elimnandi kuJehova, inkabi inye entya, inqama inye, nama cwane a isikombisa amnyaka munye, a nge nabala;

3 Nomnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye, nezimbili enqameni,

4 Nesilinganiso si be sinye ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:

5 Nezinyane li be linye lembuzi, li be umnikelo wezono, ni hlau le ngalo;

6 Ngapandhle komnikelo otyiswayo wenyanga, nomnikelo wokudhla, nomnikelo wemihla otyiswayo, nomnikelo wokudhla, nowokupuza, njengokuma kwayo, ipunga elimnandi, umnikelo womlilo kuJehova.

7 Ngalolusuku lweshumi enyangeni yesikombisa ma ni be nomhlangano o ingewe; ni hlape imipefumulo yenu: ni nga sebenzi luto nga lolosuku:

8 Kodwa ni nikele umnikelo otyiswayo kuJehova wepunga elimnandi, inkabi entya i benye, nenqama, nama cwane a isikombisa amnyaka munye; a nga bi nabala kinina.

9 Nomnikelo wabo wokudhla u be impupu i xubane namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye, nezilinganiso ezimbili enqameni.

10 Nezinxenyana zokweshumi ecwaneni linye, kuwo onke a isikombisa:

11 Izinyane li be linye lembuzi li be umnikelo wezono; ngapandhle kowokuhlala, nomnikelo otyiswayo njalo, nomnikelo wokudhla, nowokupuza.

12 Na ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesikombisa, ma ni be nomhlangano o ingeweile; ni nga wenzi umsebenzi wemihla, ni be nokudhla kuJehova izinsuku ezi isikombisa:

13 Ni nikele umnikelo otyiswayo, umhlatyelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova; izinkabi ezintya ezi ishumi nantatu, nezingama ezimbili, namaewane a ishumi nane amnyaka munye; a be a nge nabala:

14 Nonnikelo wako wokudhla u ya kuba impupu i xubene namafuta, izilinganiso ezintatu zokweshumi enkabini inye kuzo ezi ishumi nantatu, nezinganiso ezimbili zokweshumi enqameni inye, kuzo zombili,

15 Neuxenye i benye eewaneni kuwo onke a ishumi nane:

16 Nezinyane li be linye ezimbuzini li be umnikelo wezono; ngapandhle komnikelo otyisiweyo omayo njalo, umnikelo wake wokudhla nowokupuza.

17 Na ngosuku lwesibili ni ya kunikela izinkabi ezintya ezi ishumi nambili, nezingama ezimbili, namaewane a ishumi nambili a nge nabala;

18 Nonnikelo wako wokudhla nowokupuza, wezinkabi, nowezinqama, nowamaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

19 Nezinyane li be linye ezimbuzini li be umnikelo wezono, ngapandhle kwawo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

20 Na ngosuku lwesitatu izinkabi ezi ishumi nanye, izinqama ezimbili namaewane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala.

21 Nominikelo wako wokudhla nowokupuza, wezinkabi, nowezinqama, nowamaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo.

22 Nembuzi inye i be umnikelo wezono; ngapandhle kwawo otyisiweyo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

23 Na ngosuku lobune izinkabi ezi ishumi, nezingama ezimbili, namaewane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala:

24 Umnikelo wako wokudhla, nowokupuza wezinkabi, nezingama, namaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

25 Izinyane li be linye lembuzi li be

umnikelo wezono; ngapandhle kwawo otyiswayo omayo njalo, owokudhla nowokupuza.

26 Na ngosuku lwesihlanu izinkabi ezi isishiyagalolunye, izinqama ezimbili, namaewane a ishumi nane amnyaka munye, a nge nabala:

27 Nowokudhla, nowokupuza wezinkabi, nowezinqama, nowamaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

28 Nembuzi inye i be umnikelo wezono; ngapandhle kotyiswayo omayo njalo, nowokudhla, nowokupuza.

29 Na ngosuku lwesitupa izinkabi ezi isishiyagalombili, izinqama ezimbili, namaewane a ishumi nane, amnyaka munye, a nge nabala.

30 Nowokudhla nowokupuza wezinkabi, nowezinqama, nowamaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo.

31 Nembuzi inye yomnikelo wesono ngapandhle kwawo otyiswayo omayo njalo, owokudhla, nowokupuza.

32 Na ngosuku lwesikombisa izinkabi ezi isikombisa, izinqama ezimbili, namaewane a ishumi nane amnyaka munye a nge nabala;

33 Nowokudhla, nowokupuza, wezinkabi, nezingama, namaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

34 Nembuzi inye i be owezono; ngapandhle kwawo otyiswayo, omayo njalo, nowokudhla nowokupuza.

35 Ngosuku lwesishiyagalombili ni ya kuba nomhlangano o ingeweile: ni nga sebenzi okwemihla ngalo:

36 Kodwa ni nikele umnikelo otyisiweyo, umhlatyelo womlilo, wepunga elimnandi kuJehova; inkabi nenqama, namaewane a isikombisa amnyaka munye, a nge nabala.

37 Umnikelo wako wokudhla nowokupuza wenkabi, nenqama, nowamaewane, u ya kuba njengobuningi bazo, ngokuma kwazo:

38 Nembuzi i be owezono; ngapandhle kotyiswayo omayo njalo, nowokudhla nowokupuza.

39 Loku ni ya kukwenzela uJehova ekudhleni kwenu okumisiweyo, ngapandhle kwezifungo zenu, nezipo zenu zenhliziyo, nezityiswayo, nezokudhla, nezokupuza, nezokutula.

40 uMosi wa ba tyela abakwa Israeli ngako konke a yalezwe ngako uJehova.

## ISAHLUKO 30.

UMOSI wa tyo ezikulwini zezizwe ngabo abakwa Israeli, e ti, Lesi si isiyalezo sika Jehova.

2 Uma umuntu e funga isifungo ku-Jehova, e funga ngenhliziyo yake, a ka yi kulapula izwi lake, u ya kukwenza konke oku punayo emlonyeni wake.

3 Noma owesifazana e funga isifungo kuJehova, e zibopa na ngesibopo, e sendhlini ka yise, ebutyeni bake;

4 Noyise e si zwa isifungo sake, nesibopo a bope ngaso umpefumulo wake, noyise e m yeka nje: izifungo zake zonke zi ya kuma, nezibopo zonke a bope ngazo umpefumulo wake zi ya kuma.

5 Kodwa uma uyise e m nqabela ngosuku lokuzwa kwake loko, a zi yi kuma zonke izifungo, zake nezibopo zake a bope ngazo umpefumulo wake; uJehova u ya ku m yekela, ngokuba uyise u m nqabele.

6 Uma e be nendoda lapo e fungayo, e kipa namagama, oku bopa umpefumulo wake;

7 Nendoda yake i ku zwile loko, ya tula ngokuzwa kwayo loko; lapoke zi ya kuma izifungo zake, nezibopo a bope ngazo umpefumulo wake, zi ya kuma.

8 Kodwa uma indoda yake i m nqabela ngosuku lokuzwa kwayo loko; i ya kumenza ukuba a funge isifungo sake, nakutyiloyo ngomlomo wake ukubopa umpefumulo wake, ku nga bi luto: uJehova u ya ku m yekela.

9 Kodwa zonke izifungo zomfelokazi, naye ohlukanisiweyo nendoda yake, aba bope ngazo imipefumulo yabo, zi ya kuma pezu kwake.

10 Kodwa uma e funge endhlini yendoda yake, noma e bopile umpefumulo wake ngesifungo;

11 Indoda yake i ku zwile, ya tula, a ya m nqabela; izifungo zonke zake zi ya kuma, nezibopo zonke a bope ngazo umpefumulo wake zi ya kuma.

12 Kodwa uma indoda yake i zi nqabile impela ngosuku lokuzizwa kwayo, lapoke okupumayo emlonyeni wake ngezifungo zake, na ngesibopo sompefumulo wake, a ku yi kuma: indoda yake i konile loko; noJehova u ya ku m yekela.

13 Zonke izifungo, nezibopo zokuhlupa umpefumulo, indoda yake i nga zi misa, noma i nga zona.

14 Kodwa uma indoda yake i tula njalo ngezinsuku zonke; i ya zi vumake zonke izifungo zake, nezibopo zake, ezi

pezu kwake; i ya zi vumela ngokuba i tulile ngosuku lokuzizwa kwayo.

15 Kodwa uma e kona loko e se ku zwile konke; ububi bake bu ya kuba pezu kwake.

16 Loku ku imiteto, e ya yalezwa uJehova kuMosi, pakati kwendoda nomkayo, na kuyise nendodakazi, yona i se intombi endhlini ka yise.

## ISAHLUKO 31.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, wa ti, 2 Pindisela abakwa Israeli kuma-Midiani na ngasemva kwa loku u ya kubutelwa kubantu bakini.

3 uMosi wa kuluma kubantu, wa ti, Abanye benu ma ba hlomele impi, ba lwe namaMidiani ba pindisele uJehova kumaMidiani.

4 Ku leso sizwe njalo inkulungwane, na kuzo zonke izizwe zakwa Israeli ni zi tumele empini.

5 Ngakoke kwa vela ezinkulungwaneni zakwa Israeli, inkulungwane njalo ku leso sizwe, izinkulungwane ezi ishumi nambili zi hlomele impi.

6 uMosi wa ba tumela empini, inkulungwane njalo kuleso sizwe, bona no-Finehasi, indodana ka Eleazari umpri-  
sti, empini, kanye nezingumbu ezi ingewele namatilongo okubetwa esandhlени sake.

7 Ba lwake namaMidiani, njengokutyoka kuka Jehova kuMosi; ba bulala sonke isilisa kubona.

8 Ba bulala amakosi akwa Midiani, ngapandhle kwabanye aba bulawayo; uEvi, noRekemu, noZuri, noHuri, noReba, amakosi a isihlanu akwa Midiani noBalami indodana ka Beore ba m bulala ngenkamba.

9 Naba kwa Israeli ba tata bonke aba isifazana bakwa Midiani, nezingane zabo, nezinkomo zonke zabo, nemihlambi yonke yabo, nempahla yonke yabo.

10 Ba i tyisa yonke imizi yabo lapo ba be hlezi kona, nezinqaba zonke zabo ezinhle.

11 Ba i tata yonke impango nempahla, yabantu ne yezilwane.

12 Ba ba leta abantu, nempango, nempahla, kuMosi, nakuEleazari umpri-  
sti, na sebandhlени laba kwa Israeli, ekamwini ematafeni akwa Moabi a nga se-Jordani eduze neJeriko.

13 uMosi, noEleazari umpri-  
sti, nawo onke amakosana ebandhla, a puma uku-  
bahlangabeza ngapandhle kwekamu.

14 uMosi wa zi tukutelela izinduna zebandhla, izinduna zezinkulungwane nezamakulu, e za vela empini.

15 uMosi wa ti kubona, Abesifazana ni ba sindise bonke na?

16 Bheka, ibo laba abenza ukuba aba kwa Israeli bone, ngesiyalezo sika Balam, bone kuJehova endabeni ya kwa Peori: kwa ba kona inhlupeko ebandhlani lika Jehova.

17 Manjeke bulalani sonke isilisa kwabancane, nabesifazana bonke aba yaziyo indoda ngokulala nayo.

18 Kodwa onke amantombazana a ngayaziyo indoda ngokulala nayo, zi hlodeleni wona.

19 Ni hlale ngapandhle kwekamu izinsuku ezi isikombisa: ku ti o bulele umuntu, no si patileyo isidumbu, ni zi hlambulule nina kanye nezibotywa zenu ngosuku lwesitatu, na ngolwesikombisa.

20 Ni hlanze zonke izingubo zenu, nako konke okwenziwe ngezikumba, nako konke okoboya bezimbuzi, nako konke okomuti.

21 uEleazari umpristi wa ti emadodeni okulwa, a e yile empini, Loku ku isimiso somteto, wesiyalezo sika Jehova kuMosi;

22 Igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, nokete, nomtoku,

23 Konke oku wahlulayo umlilo, ni ya kwenza ukuba ku fakwe kuwona, ku hlambululeka: noko ma ku hlanjululwe ngamanzi esahlukaniso: nako konke okwahlulwa umlilo ma ku fakwe emanzini.

24 Nangosuku lwesikombisa ma ni geze izingubo zenu, ni hlambululeke, na ngasemva ni ngene ekamu.

25 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

26 Tata iningi lempango etatiweyo, yabantu neyezilwane, wena, noEleazari umpristi, nezikulu zebandhla:

27 Nahlukanisele impango kabili, aba puma impi, nalo lonke ibandhla;

28 U telisele uJehova bona aba be ye empini; ku be kunye emakulwini a isihlanu, kokubili kubantu nasezinkabini, na sezimbongolweni, na sezimvini.

29 Ni tate inxenye yako, ni i nike uEleazari umpristi, i be umnikelo wokuponswa kuJehova.

30 Na senxenyeni yabakwa Israeli, ni tate ku be kunye emashumini a isihlanu, kubantu, nasezinkabini, nasezimbongolweni, nasemihlabini yezilwa-

ne zonke, ni i nike abaLevi aba meleyo itabanekela lika Jehova.

31 uMosi noEleazari umpristi ngengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

32 Nempango e ya i sele kweya i tatiwe amadoda empi, ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa, nezinkulungwane ezi isihlanu.

33 Nezinkabi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nambili.

34 Nezimbongolo ezi inkulungwane namashumi a isitupa.

35 Nabantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili, abesifazana a ba be nga zange ba lale namuntu.

36 Nenxenye, e nge yabo a ba be pumele impi ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu neskombisa.

37 Nonnikelo ka Jehova ezimvini wa u ngamakulu a isitupa namashumi a isikombisa nesihlanu.

38 Nezinkabi za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa; nonnikelo ka Jehova ku loko, amashumi a isikombisa nambili.

39 Nezimbongolo za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu; nonnikelo ka Jehova ku loko, amashumi a isitupa nanye.

40 Nabantu ba be izinkulungwane ezi ishumi nesitupa; nokuka Jehova ku loko, amashumi amatatu nambili.

41 uMosi wa u nika umnikelo, o wa u ngo wokuponswa ka Jehova, wa u nika uEleazari umpristi, njengesiyalezo sika Jehova kuMosi.

42 Nenxenye yabakwaIsraeli, e ya hlukaniswa nguMosi kwa bempi;

43 Inxenye e ya i eyenhlango ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu, nezinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu.

44 Nezinkabi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa.

45 Nezimbongolo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu.

46 Nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi nesitupa;

47 Na senxenyeni yabakwaIsraeli, uMosi wa tata enye njalo emashumini a isihlanu, kubantu nasezilwaneni, wa ku nika abaLevi aba li patayo itabanekela



lika Jehova; njengesiyalezo sika Jehova kuMosi,

48 Nezikulu ezi ngapezu kwezinkulungwane zebandhla, izinduna zezinkulungwane, nezamakulu, za sondela kuMosi: .

49 Za ti kuMosi, Izinceku zako zi batile amadoda onke okulwa a ngapansi kwetu, a kwa sala noyedwa.

50 Si wu letileke umnikelo kuJehova, konke e si nako kwegolide, namakatangana, nemiqele, namasongo, nako konke okunjalo, ukwenzela imipefumulo yetu isihlaulelo ngapambi kuka Jehova.

51 uMosi noEleazari umpristi ba li tata igolide kubona, zonke izivunulo ezi setyenzisweyo.

52 Negolide lonke lomnikelo ba li nikela kuJehova, lezinduna zezinkulungwane, nezamakulu, amashekeli a izinkulungwane ezi ishumi nesitupa, namakulu a isikombisa namashumi a isihlanu.

53 Ngokuba amadoda empi a e zitatele kwa ilowo njalo impango.

54 uMosi noEleazari umpristi ba li tata igolide lezinduna zezinkulungwane nezamakulu, ba li ngenisa etabanekeleni lebandhla, li be isikumbuzo kwabakwa-Israeli ngapambi kuka Jehova.

### ISAHLUKO 32.

**A**BAKWA Rubeni nabakwaGadi ba be nonhlambi omkulu wezinkomo; na lapo be li bona izwe lase Jazeri, ne lase Giladi, ukuba ku izwe elihle lezinkomo; 2 Abakwa Gadi nabakwaRubeni ba fika ba kuluma kuMosi, na kuEleazari umpristi, na kuzo izikulu zebandhla, be ti,

3 iAtaroti, neDibone, neJazeri, neNimra, neHeshbone, neEleale, neShebamu, neNebo, neBeoni.

4 Izwe ela hlulwa uJehova ngapambi kwebandhla lika Israeli, li izwe lezinkomo, na ti, zinceku zenu, si nezinkomo:

5 Ba tike, uma si wu tolile umusa ebusweni benu, ma si piwe lelizwe li be ifa letu, si nga weliswa iJordani.

6 uMosi wa ti kubo abakwaGadi nabakwaRubeni, Abafo wenu ba ya kulwa, nina ni hlezi lapa na?

7 Ni i diniselani inhliziyi yabakwa-Israeli ukuba ba nga li weleli izwe aba piwa lona nguJehova na?

8 Oyiho benu benzenze ekubatumeni kwami, ngi seKadesh-barnea ukuba ba bone izwe.

9 Ngokuba ekukupukweni kwabo esigodini sase-Eshikoli, ba li bona izwe, ba dangalisa inhliziyi yabakwa-Israeli, ukuze ba nga ngeni ezweni a ba li piwa nguJehova.

10 Nolaka luka Jehova lwa vuka nga leso sikati, wa funga, wa ti,

11 Impela amadoda a pumileyo Egipte, ku suke kwa ba mashumi amabili na ngapezulu, a yi ku li bona izwe, e ngi li fungele uAbrahama, noIsaka, noJakobe; ngokuba aka ngi laudelanga ngokwempela:

12 Kupela uKalebi indodana ka Jefuna o wa seKenazi, noJoshua indodana ka Nuni, ngokuba bona ba m landela uJehova ngokwempela.

13 Nolaka luka Jehova lwa ba vukela abakwa-Israeli, wa ba zulisa ehlane iminyaka e ngamashumi amane, sa ze sa fa sonke isizukulwane e senza okubi emehlweni ka Jehova.

14 Futi, bhekani, ni vukile endaweni ya oyihlo, inzalo yabonileyo, ukuluvusa futi ulaka olukulu luka Jehova kwabakwa-Israeli.

15 Ngokuba uma ni ya m dela yena, u ya kubashiya futi ehlane; nga loko ni ba bulale bonke laba bantu,

16 Ba sondela kuyena, ba ti, Si ya kwakela izinkomo zetu izibaya, nemizi yezingane zetu;

17 Kodwa tina ngokwetu si hambe ngapambi kwabakwa-Israeli si hlomile, si ze si ba fikise endaweni yabo; nezingane zetu zi hlale emizini ebizelweyo ngenxa yabantu aba sezweni.

18 Si nga buyeli ezindhlini zetu, abakwa-Israeli be nga ka li dhli ifa labo bonke.

19 Ngokuba a si yi ku li dhla ifa kanye nabo ngapesheya kweJordani na ngapambili; ngokuba etetu si li dhli le nganeno, ngasempumalanga.

20 Wa ti uMosi kubona, uma ni ya kuyenza lento, uma ni ya kuhamba ngapambi kuka Jehova ni hlomile,

21 Ni li wele nonke iJordani ngapambi kuka Jehova ni hlomile, a ze a zi xotye izita zake ngapambi kwake,

22 Nezwe la hlulwe ngapambi kuka Jehova: na ngasemva ni buye, ni nga bi nacala ngapambi kuka Jehova, na ngapambi kuka-Israeli; nezwe leli li be ifa lenu ngapambi kuka Jehova.

23 Kodwa uma ni nga kwenzi loko, bhekani, nonile kuJehova; nazi impela ukuba isono senu so ni fumana.

24 Yakani imizi yezingane zenu, nezibaya zezimvu zenu; ni kwenze loko oku pumileyo emiloniyeni yenu.

25 AbakwaGadi noRubeni, ba kuluma kuMosi, ba ti, Izinceku zako zo kwenze oku yalezwa inkosi yetu.

26 Izingane zetu, nabafazi betu, nemihlambi yetu yonke, i ya kuhlala lapo emizini yakwaGiladi.

27 Kodwa tina so wela, ilowo njalo e hlomile, ngapambi kuka Jehova empini, njengokutyo kwenkosi yetu.

28 Ngaloko uMosi wa yaleza uEleazari umpristi, noJoshua indodana ka Nuni, nezikulu zezizwe zakwaIsraeli ngabo,

29 uMosi wa ti kubona, Uma abakwaGadi nabakwaRubeni be wela nani iJordani, ilowo e hlomile, ngapambi kuka Jehova, nezwe lahlulwe ngapambi kwenu, no ba nikake izwe laseGiladi li be ifa labo:

30 Kodwa uma be nga weli nani be hlomile, ba ya kunikwa ifa kanye nani ezweni laseKenani,

31 NabakwaGadi noRubeni ba pendula, ba ti, njengokutyo kuka Jehova ezincekwini zake, loko so kwenza.

32 Si ya kuwela si hlomile ngapambi kuka Jehova ezweni lase Kenani, ukuze ifa letu eli nganeno kweJordani li be eletu.

33 uMosi wa ba nika abakwaGadi nabakwaRubeni nenxenye yesizwe sakwa Manasa indodana ka Josefa, umbuso ka Sihoni inkosi yabakwaAmori nombuso kaHogi inkosi ya seBashani, izwe, kanye nemizi e sosebeni, nemizi e sezweni lonke.

34 AbakwaGadi, baka iDibone, noAtaroti, noAroeri,

35 NeAtroti, neShofani, neJazeri, neJogbeha,

36 NeBeth-nimra, neBeth-harani, imizi ebijelweyo: nezibaya zezimvu.

37 AbakwaRubeni baka iHeshbone, neEleale, neKirjathaimi.

38 NeNebo, neBaal-meoni, (amagama a pendulewe kodwa), neShibma; ba nika imizi aba yakayo, amanye amagama.

39 AbakaMakiri indodana kaManasa, ba ya eGiladi, ba li tata, ba kipa aba kwa Amori aba be, kulo.

40 uMosi wa nika uMakiri indodana ka Manasa eGiladi, ba hlala kulo.

41 uJaire indodana ka Manasa wa hamba wa tata imizana ya konn, wa i biza ngokuti iHavoth-jaire.

42 NoNoba wa hamba wa tata iKenate, nemizana yalo, wa i biza ngokuti iNoba, ngegama lake.

ISAHLUKO 33.

**L**OKU ukuhamba kwabakwa Israeli, aba puma ezweni lasEgipite kanye namabandhla abo, pansi kuka Mosi noAroni.

2 uMosi wa loba ngokupuma na ngokuhamba kwabo njengesiyalezo sika Jehova: loku ku ukuhamba kwabo njengokupuma kwabo.

3 Ba puma eRamesi ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nesihlanu lwayo, ngosuku olwa landela ipasika abakwa Israeli ba puma ngesandhla esi pakemeyo emehlweni abo bonke aba sEgipite.

4 Aba sEgipite ba ba gqiba bonke a ba ngamazibulo abo, a bulewa uJehova kubona: na sezitixweni zabo uJehova wenza ukwahlulela.

5 NabakwaIsraeli be suka eRamesi ba misa eSukoti;

6 Be suka eSukoti, be misa eEtamu, eli seceleni kwehlane.

7 Be suka eEtamu, ba buyela ePi-hahirote, eli ngapambi kweBal-zefoni, bemisa ngapambi kweMigdole.

8 Be suka ngapambi kwePi-hahirote, ba dhlula pakati kolwandhle ehlane, ba hamba izinsuku ezintatu ehlane laseEtamu, bemisa eMara.

9 Be suka eMara, ba fika eElime; eElime kwa ku kona imitombo yamanzi e ishumi nambili, nemiti yesundu e ngamashumi a isikombisa; bemisa kona.

10 Be suka eElime, bemisa eduze nolwandhle olubomvu.

11 Be suka olwandhle olubomvu, bemisa ehlane laseSine.

12 Be suka ehlane laseSine, bemisa eDofka.

13 Be suka eDofka, bemisa eAlushi,

14 Be suka eAlushi, bemisa eRefidime, lapo kwaku ngeko amanzi okupuza.

15 Be suka eRefidime, bemisa ehlane laseSinai;

16 Be suka ehlane laseSinai, bemisa eKibroti-hatava.

17 Be suka eKibroti-hatava, bemisa eHazeroti.

18 Be suka eHazeroti, bemisa eRithma.

19 Be suka eRithma, bemisa eRimmonparezi.

20 Be suka eRimmou-parezi, bemisa eLibna.  
 21 Be suka eLibna, bemisa eRissa.  
 22 Be suka eRissa, bemisa eKehelata.  
 23 Be suka eKehelata, bemisa entabeni iShaferi.  
 24 Be suka eShaferi, bemisa eHarada.  
 25 Be suka eHarada, bemisa eMake-lote.  
 26 Be suka eMakelote, bemisa eTahate.  
 27 Be suka eTahate, bemisa eTara.  
 28 Be suka eTara, bemisa eMitka.  
 29 Be suka eMitka, bemisa eHashmona.  
 30 Be suka eHashmona, bemisa eMoseroti.  
 31 Be suka eMoseroti, bemisa eBene-jakani.  
 32 Be suka eBene-jakani, bemisa eHorhagidgade.  
 33 Be suka eHorhagidgade, bemisa eJotbata.  
 34 Be suka eJotbata, bemisa eEbrona.  
 35 Be suka eEbrona, bemisa eEziongaba.  
 36 Be suka eEziongaba, bemisa ehlane lase Zini, eli seKadeshi.  
 37 Be suka eKadeshi, bemisa entabeni iHori, eceleni nezwe laseEdomi.  
 38 uAroni umpristi wa kupukela entabeni iHori ngesiyalezo sika Jehova, wa fa kona, ngomnyaka wamashumi amane emva kokupuma kwabakwaIsraeli ezweni lasEgipite, ngosuku lokuqala lwenyanga yesihlanu.  
 39 Neminyaka yokuzalwa ka Aroni ya i ikulu namashumi amabili nantatu ekufeni kwake entabeni iHori.  
 40 Nenkosi uAradi yase Kenani, e ya i hlezi eningizimu ezweni lase Kenani, yezwa ngokuza kuka Israeli.  
 41 Be suka entabeni iHori, bemisa eZalmona.  
 42 Be suka eZalmona, bemisa ePunoni.  
 43 Be suka ePunoni, bemisa eObote.  
 44 Be suka eObote, bemisa eIje-abarinu eceleni laseMoabi.  
 45 Be suka eIimi, bemisa eDibongadi.  
 46 Be suka eDibongadi, bemisa eAlmondiblataime.  
 47 Be suka eAlmondiblataime, bemisa ezintabeni zaseAbarini, ngapambi kweNebo.  
 48 Be suka ezintabeni zase Abarimi, bemisa ematafeni ase-Moabi ngaseJordani eduze naseJeriko.  
 49 Ba misa ngaseJordani, ku suke e

Beth-jesimote kwa ze kwa fika eAbelshittime ematafeni ase Moabi.  
 50 uJehova wa kuluma kuMosi ematafeni ase Moabi ngaseJordani eduze nase Jeriko, eti.  
 51 Kuluma kwabakwaIsraeli, u ti ku bona, Lapo se ni li welile iJordani, na fika ezweni laseKenani;  
 52 Ni ba xotye bonke aba sezweni ngapambi kweni, ni bulale yonke imifanekiso yabo, nezitombe zabo, ni bidhlize zonke izindawo zabo ezipakemeyo:  
 53 Ni kipe abantu bezwe, ni hlale kona; ngokuba ngi ni nikile izwe li be ifa lenu.  
 54 Ni dabulele izindhlu zenu izwe ngenkato li be ifa, abaningi ni ba nike ifa elikulu, naba incozana ifa elincane; ifa lomuntu njalo li be sendaweni lapo ku we kona, inkato yake; ni be nefa njengezizwe za oyihlo.  
 55 Kodwa uma ni nga ba xotyabezwe ngapambi kweni; ko ti bona e ni ba vumelayo ukuba ba hlale ba ya kuba izibi emehlweni enu, nameva ezinhlangotini zenu, ba ni hlupe ezweni eni hlezi kulo.  
 56 Ku buye ku ti, mina ngenze kina loko e be ngi ti ngi ya ku kwenza kubona.

ISAHLUKO 34.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi, wa ti,  
 2 Yaleza abakwaIsraeli, u ti kubo, Lapo se ni fikile ezweni laseKenani; (leli izwe eli ya ku ba elenu li be ifa, izwe laseKenani, kanye nemincele yalo:)  
 3 Ngaseningizimu li ya kuba elenu ku suke ehlane lase Zini nga semnceleni weEdomi, umkaulo wenu wa seningizimu u ya kuba osebeni lokugeina lolwandhle luka saoti ngasempumalanga:  
 4 Umkaulo wenu u ya kubuya eningizimu u fike ekukupukeni kweAkrabimini, u dhlulele eZini: nokupuma ku be seKadesh-barnea eningizimu, ku dhlulele eHazar-adda, naseAzmoni.  
 5 Umkaulo u suke eAzmoni u qondile u ze u fike emfuleni wasEgipite; nokupuma kwawo ku be selwandhle.  
 6 Umkaulo wa sentyonalanga u ya kugeina olwandhle olukulu; loku ku be umkaulo wenu wa sentyonalanga,  
 7 Umkaulo wenu nga senyakato u ya kuba ilo u ya kuqala elwandhle olukulu u qonde entabeni iHori  
 8 Entabeni iHori, u qonde ekungene-

ni kweHamate nokupuma kwawo ku be seZedadi :

9 Umkaulo u dhlulele eZiferoni, nokupuma kwawo ku be seHaza-enani, loku ku be umkaulo wenu wa senyakato,

10 Owasempumalanga u suke eHaza-enani u fike eShefamu :

11 Umkaulo u suke eShefamu u fike eRibla, ngasempumalanga kweAine; nomkaulo wehle u fike eeleni lolwandle iKinnerete ngasempumalanga :

12 Umkaulo wehlele eJordani, nokupuma kwawo ku be selwandhle luka satoi; leli li be izwe lenu kanye nayo yonke imikaulo yalo.

13 uMosi wa yaleza abakwaIsraeli, wa ti, Leli lizwe eni ya kulifuya ngenkato, uJehova a yaleza ukuba li nikwe izizwe ezi isishiyagaloluyey, nenxenye yezizwe :

14 Isizwe sabakwaRubeni, njengendhlu ya oyise, nesizwe sabakwaGadi, njengendhlu ya oyise, zi lamukele ifa lazo; nenxenye yesizwe sika Manasa i lamukele ifa layo ;

15 Izizwe ezibili na leyo nxenye yesizwe zi lamukele elazo ifa nganeno kweJordani eduze nase Jeriko ngasempumalanga.

16 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

17 Nanka amagama amadoda a ya ku nahlukanisela izwe: uEleazari umpristi, noJoshua indodana kaNuni.

18 Ni tate inkosana i benye kuleso sizwe njalo, ukwahlukanisa izwe li be ifa.

19 Amagama abantu ilawo; esizweni sakwa Juda, uKalebi indodana ka Jefuna.

20 Esizweni sabakwaSimeoni, uShemueli indodana ka Amihudi.

21 Esizweni sabakwaBenjamini, uElidadi indodana ka Kislone.

22 Neukosana yesizwe sabakwaDani, uBukki indodana ka Jogli.

23 Inkosana yabakwaJosefa, esizweni sabakwaManasa uHannieli indodana ka Efode.

24 Inkosana yesizwe sabakwaEfraimi, uKemueli indodana ka Shiftani,

25 Inkosana yesizwe sabakwaZebuloni uElizafani indodana ka Parnaki.

26 Inkosana yesizwe sabakwaIsakari, uPaltieli indodana ka Azzani.

27 Inkosana yesizwe sabakwaAsheri, uAlihude indodana ka Shelomi.

28 Inkosana yesizwe sabakwaNaftali, uPedabeli indodana ka Amihudi.

29 I laba aba yalezwa uJehova ukuba ba dabulele abakwaIsraeli ifa labo ezweni lase Kenani.

### ISAHLUKO 35.

UJEHOVA wa kuluma kuMosi enatateni ase Moabi ngaseJordani eduze neJeriko, wa ti.

2 Yaleza abakwaIsraeli ukuba ba nike abaLevi ifa ezweni labo, imizi ukuba ba hlale kuyo; ni ba nike futi imizana e haqe imizi yabo.

3 Imizi ba ya kuhlala kuyo; nemizana yayo i be e yezinkomo zabo, nempahla yabo nezilwane zonke zabo.

4 Imikaulo yemizi e ni ya ku i nika abaLevi, ma i be amakubiti a inkulungwane i suke odongeni lomuzi i yi haqe.

5 Ni ya kulinganisa ngapandhle komuzi amakubiti a izinkulungwane ezimbili ngasempumalanga, na ngaseningizimu a be izinkulungwane ezimbili na ngasentyonalanga a be izinkulungwane ezimbili, na ngasenyakato a be izinkulungwane ezimbili, nomuzi u be pakati; loku ku be imikaulo yemizi yabo.

6 Pakati kwemizi eni ya ku i nika abaLevi ma ku be kona e isitupa yokupepela e ni ya ku i misela umbulali womuntu, ukuze a balekele kona; ku leyo-nelekele imizi engamashumi amane nambili.

7 Ngako yonke imizi eni ya kuinika abaLevi i ya kuba ngamashumi amane nesishiyagalombili ni nike yona kanye namazwana ayo.

8 Imizi e ni yakubanika yona i be ifa labakwaIsraeli, kwaba nokuningi ku vela okuningi, kodwa kwaba nencozana ku vele incozana: ku be ilowo a nike abaLevi emizini yake njengefa a li fuyileyo.

9 uJehova wa kuluma kuMosi, wa ti,

10 Kuluma kwabakwaIsraeli, u ti ku bo, Lapo se ni fikile ezweni lase Kenani ngapesheya kweJordani,

11 Ni zimisele imizi i be imizi yenu yokupepela; ukuze umbulali a balekele kona, o bulala umuntu e ngazeleli.

12 I be imizi yenu yokupepela kumpindiseli; ukuze umbulali a nga fi, a ze e me ngapambi kwebandhla ekwahluleni.

13 Ku lemizi e ni ya ku i nikela e isitupa i ya kuba e yokupepela.

14 Ni nikele imizi emitatu nganeno

kweJordani, nemitatu ezweni lase Kenani, i be imizi yokupepela.

15 Lemizi e isitupa i be inqaba, ku bantwana baka Israeli, na kuye o wezi-zwe na ko hambileyo pakati kwabo ukuze yena o bulele umuntu e ngazelele a balekele kona.

16 Uma e m tyaya ngento yensimbi, a fe, u umbulali: umbulali u ya kubulawa impela.

17 Noma e m tyaya ngokuponsa itye a nga fayó ngayo a fe, u umbulali; umbulali u ya kubulawa impela.

18 Noma e m tyaya ngenduku yomuti a nga fayó ngalo a fe, u umbulali: umbulali u ya kubulawa impela.

19 Umbulali u ya kubulawa umpindiseli wegazi: lapo e hlangana naye u ya ku m bulala.

20 Kodwa uma e m kapa ngokuzonda noma e m ponsa ngokumqamela, a fe;

21 Noma e m tyaya ngesandhla sake ngokumzonda a fe, yena o m tyavileyo u ya kubulawa impela; ngokuba u umbulali; umpindiseli wegazi u ya kubulala umbulali, lapo e hlangana naye.

22 Kodwa uma e m tyaya masinyane ingeko inzondo, noma e m ponsa ngento e nga m qamelanga.

23 Noma ngetye a nga fa ngalo umuntu, e nga m boni, a m ponsa ngalo, a fe, e nge siso isita sake, e be nga funi luto kuye:

24 Lapoke ibandhla li yakwahlula pakati kombulali nompindiseli wegazi nga loku kwahlula:

25 Ibandhla li m kipe umbulali esandhleni sompindiseli wegazi, nebandhla li m buyisele emzini wake wokupepela lapo a e balekele kona; naye a hlale kona a ze a fe umpristi onkulu, o wa e gco-tyiwe ngamafuta a ingewele.

26 Kodwa uma umbulali e puma ngesinye isikati emzini wake wokupepela lapo e balekele kona;

27 Nompindiseli wegazi e m tola ngapandhle komuzi wake wokupepela, nompindiseli wegazi a m bulale umbulali; a ka i kuba nacala legazi:

28 Ngokuba nga e hlalile emzini wake wokupepela a ze a fe umpristi onkulu; kodwa e se file lowo umbulali a buyele ezweni lefa lake.

29 Ngako lezi zinto zi ya kuba isimiso sokwahlulela kinina kuzo zonke izizukulwana zenu ezindhlini zonke zenu.

30 O bulala umuntu, umbulali u ya ku

bulawa ngemilomo ya ofakazi; kodwa ufakazi e munye a nga fakazeli umuntu ukuze a bulawe.

31 Futi a ni yi ku li tata ihlaulo lokuba umbulali, o necala lokubulala a nga fi; kodwa u ya kubulawa impela.

32 Ni nga li tati futi ihlaulo lo balekele emzini wake wokupepela, ukuze a buye futi a hlale ezweni, e nga ka fi umpristi.

33 Ngakoke ni nga loni izwe eni hlezi kulo; ngokuba igazi li ya lona izwe: nezwe a li na ku hlalulwa ngegazi eli citakele kulo, kupela ngegazi lake o li citileyo.

34 Ni nga loni izwe e ni ya ku li fuya, lapo ngi hlezi kona mina; ngokuba mina Jehova ngi hlezi nabakwa Israeli.

### ISAHLUKO 36.

**I**ZIKULU zezindhlu za oyise zabakwa Giladi, indodana ka Makiri indodana ka Manasa, bezindhlu zamadodana ka Josefa, za sondela, za kuluma ngapambi kuka Mosi, namakosana, nezikulu za kwaIsraeli.

2 Ba ti, uJehova wa yaleza inkosi yetu ukuba a nike abakwa Israeli izwe li be ifa labo ngenkato; nenkosi yetu i yalezwe uJehova ukuba i nike ifa lika Zelofehade umfo wetu amadodakazi ake.

3 Noma be gana amadodana ezinye izizwe zakwaIsraeli, lapoke ifa li ya kukitywa efeni la obaba li bekwe efeni lesizwe lapo bamukelwe kona; li suswe efeni letu lenkato.

4 Lapo ku fika usuku lwenjabulo kwabakwaIsraeli, ifa labo li ya kubekwa kwe lesizwe lapo bamukelwe kona: ngako ifa labo li suswe efeni lesizwe sa obaba.

5 uMosi wa yaleza abakwa Israeli njengezwi lika Jehova, wa ti, Isizwe samadodana ka Josefa si kuluma kahle.

6 I lento e yalezwa uJehova ngamadodakazi ka Zelofehade, u ti ma a gane ngokubona kwawo; kodwa a gane esizweni sa oyise kupela.

7 Ngakoke ifa labakwaIsraeli a li i ku qubekela ezizweni zonke; ngokuba bonke abakwaIsraeli ba bambelele ilowo njalo efeni lesizwe sa oyise.

8 Indodakazi e li fuyileyo ifa esizweni kuzo e za kwaIsraeli i ya kuba umfazi womunye wendhlu yesizwe sa oyise, ukuze abakwaIsraeli ba jabule ilowo njalo ngefa lika yise.

9 Ifa li nga suki kwesinye isizwe li

## UDUTERONOMI, 1.

ye kwesinye; kodwa zonke izizwe zaba-kwaIsraeli zi hlale i lesa efeni laso.

10 Amadodakazi ka Zelofehade a senza iziyalezo sika Jehova kuMosi.

11 Ngokuba uMala, noTirza, noHogla, noMilka, noNoa, amadodakazi ka Zelofehade, a e ganele kumadodana omfo wabo ka yise.

12 A e ganile futi ezindhlini zamadodana ka Manasa indodana ka Josefa, ifa labo la hlala esizweni sendhlu ya oyise.

13 I lezi iziyalezo nezahlulelo, eza yalezwa uJehova ngesandhla sika Mosi kubantwana baka Israeli ematafeni a se Moabi, ngaseJordanani eduze neJeriko.

## INCWADI YESIHLANU KA MOSI E TIWA

### UDUTERONOMI.

#### ISAHLUKO 1.

**U**MOSI wa kuluma lawa mazwi ku-Israeli wonke ehlane nganeno kweJordanani, etafeni ngasolwandle olubomvu, emkatini weParani, neTofeli, neLabani, neHazeroti, neDizahabu.

2 Izinsuku ezi ishumi nanye, ngenhlalela ya sentabeni iSira, ku suka eHorebe ku ze ku fike eKadesh-barnea.

3 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amane, ngenyanga yeshumi nanye, ngosuku lokuqala lwayo iinyanga, uMosi wa kuluma kubantwana bakwaIsraeli, ngakokonke o kwa tyiwo uJehova kuyena, ngezimemezelo kubona:

4 E se m bulele uSihoni inkosi yamaAmori, e ya i hlala eHeshbone, NoHogi inkosi yase Bashane, e ya i hlala eAstarote, eEdrei:

5 uMosi wa qala ukutyo, lomteto ezweni lase Moabi, nganeno kweJordanani, e ti.

6 uJehova uTixo wetu wa kuluma kitina eHorebe, e ti, Se ni hlale isikati eside ku lentaba:

7 Pendukani ni hambe, ni ye entabeni yamaAmori; nasezindaweni zonke ezi nga kona, etafeni, ezintabeni, nasezigidini, na nga se ningizimu, na nga seduze kolwandhle, ezweni lamaKenani, na seLebanoni, na semfuleni omkulu, Ufrate.

8 Bhlekani ngi li bekile izwe ngapambi kwenu, ngenani, nake ezweni ela fungelwa koyihlo benu, uJehova, kuAbrahama, uSaka, noJakobe, ukuba li nikew bona nenzalo yabo ngasemva kwabo.

9 Nami nga kuluma kinina ngaleso sikati, nga ti, A ngi namandhla uku ni pata ngedwa:

10 uJehova uTixo wenu u nandisile,

bheka, namuhla ni ngangezinkanyezi zezulu ngobuningi,

11 uJehova uTixo wa oyihlo benu ma ka nenze ukuba nande ngezinkulungwane, ka namanje a ni busise, njengesivumelwano sake.

12 Mina ngedwa ngi nga twala kanjani, izihlupeko zenu, nomtwalo wenu, nokuxabana kwenu na?

13 Tatani amadoda a hlakanipileyo, na nokwazi, aziwayo ezizweni zenu, nami ngi ya kuwamisa izinduna pezu kwenu.

14 Nani na ngi pendula na ti, Into o i kulumileyo i lungele ukuba si yenze.

15 Ngako nga tata izinduna zezizwe zenu, amadoda a hlakanipileyo, naziwayo, nga wenza a be izihloko a pezu kwenu, izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu, nezinduna za ba ngamashumi a isihlanu, nezinduna pezu kwamashumi, namakosi kuzo zonke izizwe zenu.

16 Nga yaleza amakosi enu nga lesa sikati, nga ti, Yizwani izindaba za bafowenu, ni ngamule ngokufaneleyo kumuntu nomfo wabo, na ko isihambi esi kanye naye.

17 A ni yi kuketa abantu ekwabeni; ni ya kumzwela omcane, njengomkulu; a ni yi kwesaba ubuso bomuntu; ngokuba ukunqamula o kuka Tixo; nendaba e nahlulayo ngobulukuni, i leteni kimina ngi ya kuyizwa.

18 Nga ni yala ngalesosikati ngezinto zonke e ni ya kuzenza.

19 Na lapo si puma eHorebe sa dabula lelo hlale elikulu nelesabekayo, e na li bonayo ngendhlela yentaba yamaAmori, njengo kusiyala kuka Jehova uTixo wetu; sa fika eKadesh-barnea.

20 Nga ni tyela nga ti, Ni fikile entabeni yamaAmori, e si yi piwe uJehova uTixo wetu.

21 Bheka, uJehova uTixo wenu u li bekile izwe ngapambi kwenu: kupukani nake kona, njengokutyo kuka Jehova uTixo wa oyihlo benu; ni ngesabi ni dangale.

22 Nani nonke na sondela kimi, na ti, si ya kutuma amadoda ngapambi kwetu, a ya kusihlolela izwe, a si letele igama ngendhlela e si ya kukupuka ngayo, na ngemizi e si ya kungena kuyo.

23 Lokokutyo kwa ngi jabulisa; Nga tata amadoda a ishumi nambili kinina, inye njalo esizweni.

24 Ba penduka ba kupukela entabeni ba fika esigodini sa se Eshikole, ba si hlola.

25 Ba buyela kitina be pete ngezandhla zabo, izitelo zezwe, ba buya nezwi futi, ba ti, li izwe elihle e si li piwe uJehova uTixo wetu.

26 Noko nala ukukupuka, na saptula isimemezel sika Jehova uTixo wenu.

27 Na sola ni sotenteni benu, na ti, Ngokuba uJehova, wa si kipa ezweni lasEgipite, ngokuba e si zonda ukuba a si nikele ezandhleni zamaAmori, a si bulale.

28 Si ya ku kupukelani na? abafu wetu ba si dangalisile izinhliziyu, be ti, Abantu ba kona bakulu, bade ku nati; nemizi mikulu, i nezingange ezi fika ezulwini; futi si bonile amadodana amaAnakime kona.

29 Nga ti, kini Musani ukutyaywa uvalo, ni nga besabi.

30 uJehova uTixo wenu o hamba ngapambi kwenu, u ya kunilwela, njengako konke a nenzela kona Egipite ngapambi kwamehlo enu.

31 Na sehlane lapa na bona ukupatwa kwenu uJehova uTixo wenu, njenge-ndoda i pata indodana yayo, endhleleni yonke e na hamba ngayo, na ze na fika ku lendawo.

32 Noko ku lento a ni kolwanga kuJehova uTixo wenu,

33 O wa hamba ngendhlela ngapambi kwenu, uku ni hlolela indawo yoku gximeka otente benu, ngokukanyisela ebusuku ukuba ni bone indhlela e ni ya kuhamba ngayo, na ngefu emini.

34 uJehova vezwa ukukuluma kwenu, wa tukutela, wa funga, wa ti,

35 Impela akuko na munye ku lesisi-

zwe esi nga lungile o ya kulibona lelozwe elihle, e nga funga nga ti ngi ya kulinika oyihlo benu.

36 Kupela uKalebi, indodana ka Jefuua o ya kulibona, yena ngi ya kumnika izwe a hambileyo kulo, na kubantwana bake, ngokuba yena u m landele impela uJehova.

37 uJehova wa ngi tukutelela futi ngenxa yenu, e ti, Nawe a u yi kungena kona.

38 uJoshua indodana ka Nuni, o mi ngapambi kwako, u ya kungena, mu miseni isibindi ngokuba yena u ya kwenzisa ukuba li be ifa la kwa Israeli.

39 Futi izingane zenu, e na ti nina, zi ya kuba impango, nabantwana benu a ba be nga kwazi okulungileyo, nokubi, ngalesosikati, bona ba ya kungena kona, ngi ya kulinika bona, ba ya kulifuya.

40 Kodwa nina, pendukani, ni hambele ehlane ngendhlela yolwandhle olubomvu.

41 Na ngi pendula nina, na ti, Sonile kuJehova, si ya kukupuka si lwe, ngako konke ukuyaleza kuka Jehova uTixo wetu. Na lapo se ni hlomile nonke ngezikalizokulwa, na lungela ukukupuka entabeni.

42 uJehova wa kuluma kimina, wa ti, Ba tyeleni ba nga kupuki, ba nga lwi; ngokuba a ngi ko mina ku bona; funa ni bulawe izita zenu.

43 Nga kutyo loko kinina; kodwa ka ni ngi zwanga, na wapula umteto ka Jehova, na pikelela ukukupuka entabeni.

44 Na fikelwa amaAmori a akile ku leyo ntaba, a ni xotya, njengezinyosi, a ni bulalela eSira, na seHorma.

45 Na buya na kala kuJehova; kodwa uJehova a ka li zwanga izwi lenu, a ka ni lalalanga.

46 Ngako na hlala eKadeshi izinsuku eziningi, njengezinsuku e na zi hlala kona.

## ISAHLUKO 2.

SA penduka, sa hambela ehlane ngendhlela yolwandhle olubomvu, njengokuyaleza kuka Jehova kimina; sa haqa intaba iSira izinsuku eziningi.

2 uJehova wa kuluma kimina, e ti,

3 Ni i haqile intaba isikati eside; pendukani ni ye nga senyakato.

4 Yityo kubantu, u ti, Ni ya kudhlula emnceleni wabafu wenu, abantwana baka Esau, abake eSira ba ya kunesaba; hlakanipanike nina nga loko:

5 Ni nga ba tinti: ngokuba a ngi yi ku ni nika izwe labo, Qa, nelinga ngobubanzi bonyawo: ngokuba intaba iSira, ngi i nike uEsau ukuba a hlale kona.

6 Ni ya kutenga ukudhla kubona nge-mali, ukuba ni dhle; ni ya kutenga futi amanzi kubona, ukuba ni puze,

7 Ngokuba uJehova uTixo wenu u ni busisile emisebenzini yonke yezandhla zenu; u ya kwazi ukudabula kwenu leli hlale elikulu; nga leminyaka engamashumi amane uJehova uTixo wenu kade e be nani, a ni putelwanga luto.

8 Lapo sa dhlula kubafo wetu abantwana baka Esau, a ba be seSira nge-ndhla yetafa lase Elate, na se Eziongebere, sa penduka sa dhlula ngendhla yehlane lase Moabi.

9 uJehova wa ti kimi, Musa ukuhlupa amaMoabi, musa ukulwa nabo; ngokuba a ngi yi ku ni nika izwe labo ukuba nake kona; ngokuba iAre ngi li nikile abantwana baka Loti ukuba ba hlale kona.

10 AmaEmimu a hlala kona ngesikati esidhlulileyo, abantu abakulu, abanangi, nabade, njeng amaAnikime,

11 Ba be iziqwaga nabo, njeng amaAnikime: kodwa amaMoabi a ba biza ngokuti amaEmimu.

12 AmaHorime futi a e hlala eSira kuqala; kodwa abantwana baka Esau ba ba landela se be ba bulele ngapambi kwabo, ba hlala kona endaweni yabo; ngengokwenza kuka Israeli ezweni lake, a ba li piwe uJehova.

13 Nga ti mina, Vukani, ni wele umfula iZerede, sa u wela umfula iZerede.

14 Isikati e sa hamba ngaso si suka eKadesh-barnea, sa ze sa wela umfula iZerede, sa si iminyaka e ngamashumi amatatu neshiyagolombili; kwa ze kwa pela, onke amadoda ezizwe zokulwa esixukwini, njengokufunga kuka Jehova kubona.

15 Ngokuba impela isandhla sika Jehova sa si bhkene nabo, ukubabulala esixukwini, ba ze ba fe bonke.

16 Kwatike, e se bulewe, a pela onke amadoda okulwa kubantu.

17 uJehova wa kuluma kimina, wa ti,

18 Wena u ya kudabula iAre, umnce-la weMoabi, namuhla.

19 Lapo u fika kubantwana baka Ammoni, u nga ba hlupi, u nga ba tinti; ngokuba a ngi yi kunika ezweni labantwana baka Ammoni ukuba nake

kona; ngokuba ngi li nikile abantwana baka Loti, ukuba bake kona.

20 (Na lelo kwa ku tiwa izwe leziqwaga; iziqwaga za zakile kona esikatini esidhlulileyo; namaAmmoni a ba biza ngokuti amaZamzuminu.

21 Abantu abakulu, abanangi, nabade, njeng amaAnakime; kodwa uJehova wa ba bulala ngapambi kwabo; ba ba landela bona, baka kona endaweni yabo.

22 Njengokwenza kwake kubantwana baka Esau, a be bakile eSira, ngokubulala kwake amaHori ngapambi kwabo; ba ba landela; baka kona endaweni yabo ku ze ku be namuhlanje.)

23 NamaAvimu abe akile eHazerimu, na se Aza, amaKaforimu, a puma e Kaffore, a ba bulala, aka kona endaweni yabo.

24 Vukani nina, ni hambe, ni wele umfula iArnoni; bhokani ngi ni nikile uSihoni uAmori, inkosi yase Heshbone nezwe lake: qalani ukwaka kulo, ni lwe naye empini.

25 Namuhla ngi ya kuqala ukubeka ivuso lenu nokunisaba ezizweni zonke ezi ngapansi kwezulu ezi ya kuyizwa indaba yenu, ba tutumele, ba nesabe kakulu.

26 Nga tuma izigijimi kuSihoni inkosi yase Heshbone, ngi sehlane lase Kedemoti, namazwi okutula, ngi ti,

27 Ma ngi dhlule ezweni lako: ngi ya kuhamba ngongwaqo omkulu, a ngi yi ku pendukela ngalapa na ngalapa.

28 Ni ya kungitengela ukudhla nge-mali, ukuba ngi dhle; ni ngi nike amanzi ngemali, ukuba ngi puze; ngi ya kudhlula ngezinyawo kodwa;

29 (Njengokwenza kwabantwana baka Esau kumina aba hlala eSira, namaMoabi ake eAre;) ngi ze ngi li wele iJordani ngi fike ezweni e si li piwe uJehova uTixo wetu.

30 Kodwa uSihoni inkosi yase Heshbone a ka si vumelanga ukuba si dhlule kuye; ngokuba uJehova uTixo wenu wa yenza lukuni inhliziyo yake, wa qinisela, ukuze a m nike ezandhleni zenu, njenga namuhla.

31 Wa ti uJehova kimina, Bhoka, ngi qalile ukunika uSihoni nezwe lake kimina; qalani ukwaka kulo, ni ze ni li dhle izwe lake.

32 uSihoni wa e se si fikela ngempi, yena nabantu bonke bake, ukulwa nati eJahazi.

33 uJehova uTixo wetu wa m nikela



kitina; sa m bulala, namadodana ake, nabantu bonke bake.

34 Sa tata yonke imizi yake ngalesosikati, sa wa qeda amadoda, nabesifazana, nezingane, emizini yonke, a si shiyanga muntu.

35 Sa muka nezinkomo kupela, nempango yemizi sa i tata.

36 A sa hlulwanga muzi, i loku sa suka eAroeri osebeni lomfula iArnoni, na semzini o nga semfuleni, sa ze sa fika eGiladi, uJehova uTixo wetu wa si nika konke.

37 A ni fikanga ezweni labantwana baka Ammoni kupela nasendaweni e ngasemfuleni iJaboke, nasemizini e sezintabeni, na kuzo zonke izindawo e salelwe nazo uJehova uTixo wetu.

### ISAHLUKO 3.

**S**A pendukake, sa kupukela eBashane: uHogi inkosi yase Bashane wa si hlasela, yena nabantu bonke bake, ukulwa nati eDreii.

2 uJehova wa ti kimi, ni nga mesabi; ngokuba ngi ya kumnikela nabantu bonke bake, nezwe lake, ezandhlени zenu; ni ya kwenza kuye njengokwenza kwenu kuSihoni inkosi yamaAmori, e ya i hlezi eHeshbone.

3 uJehova uTixo wetu wa si nikela futi uHogi, inkosi yase Bashane, nabantu bonke bake: sa ba bulala bonke, a kwa sala namunye umuntu kuyena.

4 Na ngalesosikati sa tata yonke imizi yake, a kwa sala namunye umuzi kwe amashumi a isitupa, yonke indawo yase Argobe, umbuso kaHogi eBashane.

5 Yonke lemizi ya i biyelwe ngezingange ezinde, namasango, nezibonda; ngapandhle kwemizana eminingi kakulu e ya i nge nazo izingange.

6 Sa i cita impela, njengokwenza kwetu kuSihoni inkosi yase Heshbone, sa cita amadoda, nabesifazana, nabantwana, kuyo yonke imizi.

7 Kodwa izinkomo nempango yemizi, sa i tata kwa ba impango yetu.

8 Na ngalesosikati sa tata ezandhlени zamakosi amabili amaAmori, izwe e la li nganeno kweJordani, li suka emfuleni wa se Arnoni, li ze li fika entabeni iHermone.

9 (E li bizwa amaZidonia, ngokuti iSirione, namaAmori a li biza ngokuti iShenire.)

10 Yonke imizi yetafa, nalo lonke iGi-

ladi, nalo lonke iBashane, ku ze ku fike eSalka, neDreii, imizi yombuso kaHogi, eBashane.

11 Ngokuba kwa ku sele uHogi inkosi yase Bashane kupela, ensalweni yeziqwaga, bheka umbede wake kwa ku umbede wensimbi; awuko kanti eRababate kubantwana baka Ammoni? ubude bawo ba bu amakubiti a ishishiyagalulunye, namakubiti amane ububanzi bawo, njengekubiti lomuntu.

12 Na lelizwe, e sa si hlala kulo nga lesi sikati, eAroeri, e li ngasemfuleni iArnoni, nenxenye yentaba iGiladi nemizi e nga kona, nga li nika amaRubeni, namaGadi.

13 Nensalo yeGiladi, nalo lonke iBashane, li umbuso kaHogi, nga li nika inxenye yesizwe sa kwa Manasa; yonke indawo yase Argobe, nalo lonke iBashane, e la bizwa ngokuti izwe leziqwaga.

14 uJaire indodana ka Manasa wa li tata lonke izwe lase Argobe, kwa ze kwa fika emikaulweni yeGeshuri neMakati, wa li biza ngegama lake, iBashane-havoti-jaire, ku ze ku be namuhla.

15 Nga nika uMakiri iGiladi,

16 AmaRubeni, namaGadi, nga wa nika umkati ongapakati kweGiladi nomfula iArnoni inxenye yesigodi, nomncele u ze u fike emfuleni iJaboke, o ngumcele wabantwana baka Ammoni.

17 Itafa futi neJordani, nosebe lwalo, ku suke eKinnerete ku ze ku fike elwondhle lwetafa, amanzi ka saoti, ezansi kweAshdodhpisga ngasempumalanga.

18 Nga ni tyela ngalesosikati, nga ti, uJehova uTixo wenu u ni nikile le lizwe ukuba ni li fuye; ni ya ku dhlula ni hlomile ngapambi kwabafo wenu abantwana baka Israeli, bonke aba lungele ukulwa.

19 Kodwa abafazi benu, nezingane zenu, nezinkomo zenu, (ngokuba ngi yazi ukuba ni nezinkomo eziningi) ku ya kuhlala emizini yenu e ngi ni pe yona;

20 uJehova a ze a nike ukupumula ku bafo wenu, nakinina futi, ba ze ba li fuye nabo izwe eli nikwe bona uJehova uTixo wenu, ngapesheya kweJordani, emva kwa loko ni ya kubuyela nonke, emfuyweni yenu, e ngi ni nikileyo yona.

21 Nga yaleza uJoshua nga lesi sikati nga ti, Amehlo ako a ku bonile konke okwenziwe uJehova uTixo wako

kulawa makosi amabili; u ya kwenze njalo uJehova kuyo yonke imibuso o ya kuidhlula.

22 A ni yi ku besaba: ngokuba uJehova uTixo wenu u ya kunilwela.

23 Nga cela kuJehova ngaleso sikati, nga ti,

24 O Jehova Tixo, u qalile ukubonakalisa encekwini yako, ubukulu bako, nesandhla sako esi namandhla; u mupi uTixo ezulwini nasemhlabeni, o ngenza njengokwenza kwako, na njengamandhla ako?

25 Ngi ya kuleka, ma ngi wele, ngi li bone izwe elihle eli nga pesheya kweJordan, leyontaba ehhle, neLebanoni.

26 Kodwa uJehova wa ngi tukutelela ngenxa yenu, wa nqaba uku ngi zwa; wa ti uJehova kimina, ma u dele, u nga be u sa kuluma kimina nga lendaba.

27 Kwela entabeni iPisga, u pakamise amehlo ako nga sentyonalanga, na nga senyakato, na nga senengezimu, na nga sempumalanga, u li buke ngamehlo ako; ngokuba a u yi ku li wela iJordan.

28 Kodwa yaleza uJoshua, u m mise isibindi u m nike amandhla; ngokuba yena u ya kuwela na lababantu, a benze ukuba ba li fuye izwe o ya kulibona manje wena.

29 Ngako sa hlala esigodini ngaseBethpeori.

#### ISIAHLUKO 4.

**Y**IZWANIKE, baIsraeli, umteto nokwaba, e ngi ni fundisa kona; ni kwenze, ukuba ni pile, ni ugene, ni fuye, izwe e ni li nikwa uJehova uTixo wa oyihlo benu.

2 A ni yi kwenzela emtetweni e ngi ni yaleza wona, a ni yi ku wu neipisa futi; ukuba ni zi geine izinemezelo zika Jehova uTixo wenu e ngi ni yaleza zona.

3 Amehlo enu a bonile okwenziwe uJehova ngenxa ka Baalpeori, ngokuba uJehova uTixo wenu wa ba bulala bonke aba be m landela uBaalpeori.

4 Kodwa nina e na namatela kuJehova uTixo wenu ni sa pilile nonke ku ze ku be namuhla.

5 Bheka, ngi ni fundisile imiteto nokwaba njengokuyala kuka Jehova uTixo wami ukuba ni kwenze loku ezweni e ni ya kulo uku li fuya.

6 Ku geinenike, ni kwenze loku; ngokuba loku, ku ngukuhlakanipa kwenu, nokwazi kwenu emehlweni ezizwe zonke, e zi ya ku i zwa yonke lemiteto, zi

ti, Impela lesisizwe esikulu si hlakanipile, si nokwazi,

7 Ngokuba i sipi isizwe esikulu kangaka na? esi noTixo eduze kwaso, njengoJehova uTixo wetu o kona ezintweni zonke e si zi bizayo kuyena na?

8 I sipi isizwe esikulu kangaka, esi nemiteto nokwaba okulungileyo njenga lomteto, e ngi wu beka pambi kwenu namuhla na?

9 Hlakanipani kodwa ni geine kahle imipefumulo yenu, funa ku kohlakale eni ku bonileyo ngamehlo enu, funa futi ku suke ezinhliziyweni zenu ngazo zonke izinsuku zokupila kwenu; kodwa fundiseni amadodana enu, namadodana abantwana benu.

10 Kakulu usuku e nema ngalo ngapambi kuka Jehova eHorebe, lapo wa ti uJehova kimi, ngi butele abantu ndawonye, ngi ya kubezwisa amazwi ami, ukuba ba funde ukungesaba ngazo zonke izinsuku zokupila kwabo emhlabeni, ukuba futi ba wa fundise abantwana babo.

11 Na sondela nina nema ngapansi kwentaba: nentaba ya tya umlilo kwa pakati kwezulu, nobumnyama, namafu, nobumnyama obukulu.

12 uJehova wa kuluma kini e pakati komlilo; nezwa izwi lokukuluma a ni bonanga umfanekiso waluto; nezwa izwi kupela.

13 Wa si tyo kinina isivumelwano sake, a ni tyela ukuba ni si bambe esi izimemezelo ezi ishumi: wa zi loba ematweni amabili.

14 Nga leso sikati uJehova wa ngi yaleza ukuba ngi ni fundise imiteto, nemiyala, ukuba ni yenze ezweni eni welela kulo, ukuba nake kona.

15 Hlakanipanike nina; ngokuba a ni bonanga umfanekiso waluto ngosuku e nezwa ngalo, uJehova e kuluma kinina eHorebe e ngapakati komlilo:

16 Funa ni zone, ni zenzele isitombe, esi umfanekiso womuntu, o fana no wendoda, noma o wesifazana.

17 Nomfanekiso wesilwane esi semhlabeni, nomfanekiso wenyoni e namapiko e ndizayo emoyeni.

18 Nomfanekiso wento e kasayo emhlabatini, nomfanekiso wemhlanzi e semanzini ngapansi komhlaba.

19 Noma futi ni pakamisa amehlo enu ezulwini, nalapo ni bona ilanga, nenyanga, nezinkanyezi, nako konke oku sezulwini, funa ni sindezelwe ukukonza

loko, noku sebenzela loko, oku datyulelwe izizwe zonke ezi ngapansi kwezulu, uJehova uTixo wenu.

20 Kodwa uJehova u ni fatile nina, wa ni kipa eziko lensimbi, Egipite, ukuba ni be kuye abantu befa njenga namuhla.

21 Futi uJehova wa ngi tukutelela ngenxa yenu, wa funga ukuba a ngi yi ku li wela iJordani, nokuba a ngi yi ku ngena ku lelozwe elihle, e li piwe nina uJehova uTixo wenu li be ifa lenu.

22 Kodwa mina ngi ya kufa kulelizwe, ngi nga li wela iJordani; kodwa nina ni ya kuwela ni li fuye lelozwe elihle.

23 Hlakanipani ni nga kohlwa isivumelano sika Jehova uTixo wenu, a senzileyo nani, nenze isitombe, nomfanekiso wento, e nalelwe nayo uJehova uTixo wenu.

24 Ngokuba uJehova uTixo wenu u ngumlilo o qedayo, inkosi e nomona.

25 Lapo ni ya kuzala abantwana, nabantwana babantwana, se ni lilezi isikati eside ezweni, nonakale, ni zenzele isitombe, nomfanekiso wento, nenze okubi emehlweni ka Jehova uTixo wenu, uku vusa ulaka lwake;

26 Ngi biza izulu nomhlaba ukuba ku ni fakazele namuhla, ukuba ni ya kufa nonke masinyane ezweni e ni ya kulo ngapheya kweJordani ukuba ni li fuye; a ni yi ku zelula izinsuku zenu kona, ni ya kufa nonke.

27 uJehova u ya kuuhlakazela ezizweni, ni sale ni incozana pakati kwezizwe, lapo uJehova e ni yisa kona.

28 Lapo ni ya kukonza izitixo, umsebenzi wezandhla zabantu, zemiti namatye, ezingaboniyo, ezingezwayo, ezingadhliyo, nezinganukiyo.

29 Kodwa ni se kona lapo, uma ni funa uJehova uTixo wenu ni ya kumfumanana, uma ni m funa ngezinhliziyozonke zenu, na ngemipefumulo yonke yenu,

30 Ezinhlupekweni zenu, na lapo zonke lezi zinto zi ni fikela, ngezinsuku zokugcina, uma ni pendukela uJehova uTixo wenu, ni lalele izwi lake.

31 (Ngokuba uJehova uTixo wenu u Inkosi e nomusa;) a ka yi kunidela, a ni bulale, a kohlwe isivumelano a si funga koyihlo benu.

32 Buzanike ngezinsuku ezidhlulileyo e za zi ngapambi kwenu, ku suke osukwini lokwenziwa komuntu emhlabeni

uTixo, ni buze ngalapa na ngalapa kwezulu, uma kwa ke kwenzakala into enkulu kangaka na? Noma kwa ke kwezwakala na?

33 Ba kona abantu a ba ke ba li zwa izwi lika Tixo li kuluma li semlilweni, njengokuzwa kwenu, ba pile, na?

34 uTixo wa ke wa ya ukuzitatela izwe ngapakati kwelinye izwe, ngezinyengo, ngemifanekiso, na ngemimangaliso, na ngokulwa, na ngesandhla esi namandhla, na ngomkono oweluliweyo, na ngezesabiso ezikulu, njengako konke okwenzelwe nina uJehova uTixo wenu ngapambi kwamehlo enu na?

35 Loku kwa konjiswa nina, ukuba ni ze nazi ukuba uJehova u nguTixo impela; akako omunye ngapandhle kwake.

36 E sezulwini wa ni zwisa izwi lake, ukuba a ni fundise; nasemhlabeni wa ni kombisa unlilo wake omkulu; na wezwa amazwi ake e pakati komlilo.

37 Ngokuba we e tanda oyihlo benu, ngako wa keta inzalo yabo emva kwabo, wa ni kipa Egipite emehlweni ake ngamandhla ake amakulu.

38 Ukuxotywa izizwe ngapambi kwenu, ezikulu nezi namandhla ku nani, uku ni ngenisa, noku ni nika izwe labo li be ifa lenu, njenga namuhla.

39 Yazinike namuhla, ni ku cabange ezinhliziyweni zenu, ukuba uJehova u nguTixo ezulwini pezulu, nasemhlabeni pans; akako omunye.

40 Ni ya ku yi bamba imiteto yake, nezimemezelo zake, e ngi ni yaleza zona namuhla, ku ze ku lunge kinina, nabantwana benu emva kwenu, zi ze zande izinsuku zenu zokupila emhlabeni e ni wu nikwa uJehova uTixo wenu, ku be ngunapakade.

41 uMosi wa keta imizi emitatu e nganeno kweJordani nga sempumalanga.

42 Ukuba umbulali a balekele kona o bulala umakelwane wake e ngazelele, e kade e nga m zondi ngezikati ezidhlulileyo: ukuba a balekele komunye wa lemizi, a pile.

43 iBeza eli sehlane, ezweni letafa, lamaRubeni; neRamote eGiladi, lamaGadi; neGolani eBashane lamaManasa.

44 Iwo lomteto a u beka uMosi ngapambi kwabantwana baka Israeli;

45 Ilezi izimemezelo, nemiteto, nemiyalo, a i kulumayo uMosi kubantwana baka Israeli, se be pumile Egipite.

46 Nganeno kweJordani, esigodini

nga seBeth-peori, ezweni lika Sihoni inkosi yamaAmori, o wa e hlezi e Heshbone, o wa bulawa uMosi nabantwana baka Israeli, se be punile Egipite.

47 Ba li tata izwe lake, nezwe lika Hogi inkosi yase Bashane, amakosi amabili amaAmori, a e nganeno kweJordanani ngasempumalanga,

48 Ku suke eAroeri, ngasosebeni lomfula iArnoni, ku ze ku fike entabeni iSioni, e seHermone.

49 Netafa lonke eli nganeno kweJordanani ngasempumalanga, la ze la fika emanzini etafa, ngezansi kwemitombo yase Pisga.

### ISAHLUKO 5.

**U**MOSI wa biza bonke abaIsraeli, wa ti kubona. Yizwani, baIsraeli, imite-to nemiyalo e ngi i kuluma ezindhle-beni zenu namuhla, ukuba ni i funde, ni i bambe, ni yenze.

2 uJehova uTixo wetu wenza isivumelwano nati eHorebe.

3 uJehova a ka senzanga lesi sivumelwano na obaba betu, wa senza nati, tina e si kona lapa sonke namuhla si pilile.

4 uJehova wa kuluma kinina ni bhe-keke entabeni ngapakati komlilo.

5 (Mina ngema emkatini ka Jehova nani ngalesosikati, ukunikombisa izwi lika Jehova; ngokuba na nesaba nina ngexxa yomlilo, a nenyukela entabeni) e ti.

6 Mina ngi uJehova uTixo wako, o ku kipileyo ezweni lasEgipite, endhlini yobugqili.

7 U nga bi nabo oTixo abanye ngapandhle kwami.

8 U nga zenzeli umfanekiso o baziweyo, nomfanekiso wento e sezulwini, pezulu, ne semhlabeni pansi, ne semanzini pansi komhlaba.

9 U nga kotami kuyo, u yi konze; ngokuba mina Jehova uTixo wako ngi uTixo o nomona, ngehlisela izono za oyise pezu kwabantwana, esizukulwaneni sesitatu ne sesine sabangizondayo.

10 Ngi bonakalisa umusa ezinkulungwaneni zabangitandayo, na ba gcina izimemezelo zami.

11 U nga li pati igama lika Jehova uTixo wako ngeze; ngokuba uJehova a ka yi ku m yekela o pata igama lake ngeze.

12 Londa usuku lwesabata u lwenze lu be ingwele, njengo ku kuyala kuka Jehova uTixo wako.

13 Ngezinsuku ezi isitupa u ya kusebenza, u yenze yonke imisebenzi yako;

14 Kodwa usuku lwesikombisa lu isabata lika Jehova uTixo wako; a u yi ku wenza umsebenzi ngalo, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nenceku yako, nencekukazi yako, nenkabi yako, nembongolo yako, nezinkomo zako, nomhambi wako o ngapakati kwamasango ako; ukuba inceku yako, nencekukazi yako i pumule kanye nawe.

15 U kumbule ukuba wa u inceku ezweni lasEgipite, nokuba uJehova uTixo wako wa ku kipa ngesandhla esinamandhla, nangomkono o namandhla, ngako uJehova uTixo wako wa ku yala ukuba u londe usuku lwesabata.

16 Hlonipa uYihlo nonYoko, njengoku ku yala kuka Jehova uTixo wako; ukuba izinsuku zako zande, ku be kuhle kuwe ezweni o li nikwa uJehova uTixo wako.

17 U nga bulali.

18 U nga pingi.

19 U ngebi.

20 U nga m fakazeli ngamanga umakelwane wako.

21 U nga m fisi umfazi womakelwane wako, nendhlu yake, nensimu yake, nenceku yake, nencekukazi yake, nenkabi yake, nembongolo yake, nazo zonke izinto zomakelwane wako.

22 Lawa mazwi a kulunywa uJehova kulo lonke ibandhla lenu e sentabeni e pakati komlilo, nefu, nobumnyama o bunzima, ngezwi elikulu; a ke nezelanga okunye, wa wa loba ematyeni amabili, wa ngi nika wona.

23 Kwa ti, lapo ni li zwayo izwi li puma ngapakati kobumnyama obunzima (ngokuba intaba ya i vuta umlilo), na sondela kimina, izinhloko zonke zezizwe zenu, nezikulu zenu;

24 Na ti, bheka, uJehova uTixo wetu u si bonisile ubungewele bake, nobukulu bake, sa li zwa izwi lake ngapakati komlilo: si bonile namuhla ukuba uTixo u ya kuluma nomuntu, a pile.

25 Ku nganike ukuba si fe na? ngokuba lomlilo omkulu u ya kusiqeda: uma si li zwa izwi lika Jehova uTixo futi, si ya kufa.

26 Ngokuba ubani enyameni yonke o wa ke wezwa izwi li ka Tixo opilayo, li kuluma ngapakati komlilo, njengati, wa pila na?

27 Sondela wena, u zwe konke o ku kulunywa uJehova uTixo wetu; u ku-

tyo kitina konke oku kulunywa kuwe uJehova uTixo wetu; si ya ku kuzwa si kwenze.

28 uJehova wa wezwa amazwi enu, ekukulumeni kwenu kimina; Wa ti uJehova kimi, ngi li zwile izwi lamazwi a laba bantu, e li kulunywa kuwe; ba ku tyilo kahle konke aba ku kulumileyo.

29 Kwa nga ti ku nga ba kona inhliziy o kubo yokungesaba, nokugeina zonke izimemezelo zami njalo, ku ze ku be kuhle kubo, na kubantwana babo ku ze ku be ngunapakade.

30 Hamba u ti kubona, Buyelani koten te benu.

31 Kodwa wena yima lapa nga kimina, ngi ku tyele zonke izimemezelo, nemiteto, nemiyalo, o ya kubafundisa, yona, ukuba ba yenze ezweni e ngi ba nika lona ukuba ba li fuye.

32 Ni kwenze ngokuqapela e'ni ku yalezwa uJehova uTixo wenu ni nga pendukeli nga lapa na ngalapa.

33 Ni ya kuhamba kuzo zonke izindhlela e ni zi yalezwe uJehova uTixo wenu ukuba ni pile, ku ze ku be kuhle kini, nokuba zande izinsuku zenu ezweni e ni ya kulifuya.

### ISAHLUKO 6.

**I**LEZI izimemezelo, nemiteto, nemiyalo uJehova uTixo wenu a ni yala ukuba ni yi funde, nokuba ni yenze ezweni e ni ya kulo ukuba ni li fuye.

2 Ukuba ni mesabe uJehova uTixo wenu, ni londe yonke imiteto yake nezimemezelo zake, e ngi ni yaleza zona wena nendodana yako, nendodana yendodana yako, zonke izinsuku zokupila kwako; ukuba izinsuku zako zande.

3 Yizwake, O Israeli, ni kwenze loku; ku ze ku be kuhle kuwe, nokuba nande ngamandhla, njengokuqinisa kuka Jehova uTixo wa oyihlo benu ezweni eli vame ubisi nezinyosi.

4 Yizwani O Israeli; uJehova uTixo wetu u Jehova munye.

5 U ya kumtanda uJehova uTixo wako ngenhliziy o yonke yako, na ngompefumlo wonke wako, na ngamandhla onke ako.

6 Lawa mazwi, e ngi ku yala ngawo namuhla, a ya kuba enhliziyweni yako.

7 U ya kuwafundisa kahle abantwana bako, u kulume ngawo lapa u hlezi endhlini yako, na lapa u hamba ngen dhlela, na lapa u lalayo, na lapa u vukayo.

8 U ya kuwabopela esandhileni sako a be isibonakaliso, a be isidhlohlo emkatini yamhlo ako.

9 U ya kuwaloba ezinsikeni zendhlu yako, na semasangweni ako.

10 Ku ze ku ti lapa uJehova uTixo wako e se ku ngenisile ezweni a li fungela koyihlo benu, kuAbrahama, noIsaka, noJakobe, ukuninika imizi emikulu nemihle, e ngakiwanga inina.

11 Nezindhlu e zi gewele izinto zonke ezinhle, e zi nga gwaliswanga inina, nemitombo embiweyo, e ngenbiwanga inina, nezivini nemigwenya, e nga tyalwanga inina; lapa ni za kudhla nesute.

12 Hlakanipanike ni nga kohlwa uJehova, o ni kipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili.

13 U ya kumesaba uJehova uTixo wako, u m konze, u funge igama lake.

14 A ni yi ku zi landela izitix o ezinye, nezitix o zabantu aba ni zungezileyo.

15 (Ngokuba uJehova uTixo wako u uTixo o nomona kinina) funa ulaka luka Jehova uTixo wenu lu ku vukele, lu ku bulale ebusweni bezwe.

16 Ni nga m cunuli uJehova uTixo wenu, njengo kumcunula kwenu eMassa.

17 Ma ni zi qapele kahle izimemezelo zika Jehova uTixo wenu, neziyalezo zake, nemiteto yake a ni yala ngayo.

18 U ya kukwenza okulungileyo nokuhle emehlweni ka Jehova; ku ze ku be kuhle kuwe, u ze u ngene u li fuye izwe elihle ela fungelwa uJehova, koyihlo.

19 Ukuzikipa zonke izita zako nga pambi kwako, njengokutyo kuka Jehova.

20 Lapa indodana yako i ku buza esikatini esifkayo, i ti, Itini imiteto, neziyalezo, nemiyalo, e ni yalwa ngayo uJehova uTixo wenu na?

21 U ya kuti kuyo indodana yako, Sa si izigqili zika Faro Egipite; uJehova wa si kipa Egipite ngesandhla esi namandhla;

22 uJehova wa veza obala izibonakaliso, nemimangaliso, emikulu, neya hlu-payo, pezu kweEgipite; pezu kuka Faro, na pezu kwendhlu yake yonke emehlweni etr.

23 Wa si kipa kona, ukuba a si ngenise a si pe izwe a li fungele koBaba.

24 uJehova wa si yaleza ukuba si yenze yonke lemiteto, si mesabe uJehova uTixo wetu, ku be kuhle kitina njalo, ukuba a si pilise njenga namuhla.

25 Ko ba ukulunga kwetu, uma si zenza zonke lezi zimemezelo ngapambi kuka Jehova uTixo wetu, njengoku si yala kwake.

### ISIAHLUKO 7.

**L**APO uJehova uTixo wako e se ku letile ezweni o ya kulo ukulifuya, e se zi xotyile izizwe eziningi ngapambi kwako, amaHiti, namaGirgashi, namaAmori, namaKenani, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, izizwe ezi isikombisa ezikulu nezi namandhla ku nawe.

2 Na lapo uJehova uTixo wako e ya kuba nikela, pambi kwako u ya kubatyaya, u ba qede impela; a u yi kwenza isivumelwano nabo, u nga bi namusa kubo:

3 U nga ganiselani nabo futi; intombi yako a u yi kuniika indodana yake, nentombi yake a u yi ku i tatela indodana yako.

4 Ngokuba ba ya kupendula indodana yako ekungilandeleni, ba ze ba konze izitixo ezinye: lu vukeke ulaka luka Jehova pezu kwako, a ku bulale masinyane.

5 Ni ya kwenza loku nina kubo; ni ya kubulala amalati abo, napule izitombe zabo, ni wa nqume amahlati abo, ni zi tyise ngomlilo izitombe zalo ezibaziweyo.

6 Ngokuba u isizwe esi ingewele kuJehova uTixo wako; uJehova uTixo wako u ku ketile u be isizwe sake e si sodwa kuye, kuzo zonke izizwe ezi sebunweni bomhlaba.

7 uJehova a ka lu bekanga utando lwake pezu kwenu, ukuniketa, ngokuba ni ba ningi kunabantu bonke; ngokuba na ni incozana ku nezizwe zonke.

8 Kodwa ngokuba uJehova wa ni tando, na ngokuba e qinisa isifungo a si fungayo koyihlo benu, Wa ni kipa ngesandhla esi namandhla, wa ni sindisa endhlini yobugqili, esandhlini sika Faro inkosi ya sEgipite.

9 Yazike, ukuba uJehova uTixo wako, u nguTixo yena, uTixo okolekayo, o namatelayo esivumelwaneni na semuseni kubona a ba m tandayo naba bamba izimenezelo zake ezizukulwaneni ezi inkulungwane.

10 A pindisele kubo abamzondayo ebusweni babo, ngokubabulala; a ka yi ku libala ku yena o m zondayo, u ya kumpindisela ebusweni.

11 U ya kugeina izimemezelo, nemiteto nokwabela, e ngi ni yala ngako namuhla, ukuba ni yenze.

12 Ku ze ku ti, uma ni ku lalela lokukwaba, ni ku geine, ni kwenze, uJehova uTixo wako u ya kugeina isivumelwano nomusa a funga ngawo koyihlo benu.

13 U ya kukutanda, a ku busise, a kwandise; u ya kubusisa inzalo yesisu, sako nesitelo sezwe lako, amabele ako newaini lako, namafuta ako, nenzalo yezinkomo zako, nemihlambi yezimvu zako, ezweni a funga ngalo koyihlo benu, uku ku nika lona.

14 U ya kubusiswa ngapezu kwabantu bonke; a ku yi kubakona umlisa nowesifazana o inyumba kinina, nasezinikomeni zako,

15 uJehova u ya kususa kuwe zonke izifo, a nga be sa zi beka izifo ezimbi za sEgipite ozaziyo, pezu kwako; kodwa wo zi beka pezu kwabo bonke aba ku zondayo.

16 U ba qede bonke abantu aba nikelwa kuwe uJehova uTixo wako; iso lako li nga ba dabukeli; u nga zi konzi izitixo zabo; ngokuba loko ku ya kuba isihlabe kuwe.

17 Uma u ti enhliziyweni yako, Lezi zizwe zi ningi ku nami; ngi nga zi kipa kanjani?

18 A u yi ku zesaba; kodwa u kumbule kahle, okwenziwe uJehova uTixo wako kuFaro, na kulo lonke izwe la sEgipite;

19 Izilingo ezikulu eza bonwa amehlo ako, nezibonakaliso, neminangaliso, nesandhla esi namandhla, nomkono o weluliweyo, a ku kipa ngawo uJehova uTixo wako; kanjalo uJehova uTixo wako u ya kukwenza kubantu bonke o be sabayo.

20 uJehova uTixo wako u ya kutuma iminyovu kubona, ku ze ku ti bona abaseleyo, aba zitukusayo kuwe, ba bulawe.

21 A u yi ku besaba; ngokuba uJehova uTixo wako u kinina, uTixo o namandhla nosabekayo.

22 uJehova uTixo wako u ya kuziqeda lezo zizwe ngapambi kwako, kancane na kancane; u nga zi qedi kanyekanye, funa izilwane zaseudhle zande ngapezu kwako.

23 Kodwa uJehova uTixo wako u ya kubanikela kuwe, a ba bulale ngokubulala oku namandhla, ba ze ba pele.

24 U ya kunikela amakosi abo esandhlileni sako, nawe u ya kuqeda igama lawo ngapansi kwezulu; a ku yi kubako muntu o ya kuma ngapambi kwako, u ze u ba qede.

25 Izitombe ezibaziweyo zezitixo zabo ni ya kuzityisa ngomlilo; u nga fisi isiliva negolide eli kuzona, u nga zitatele lona, funa ku be isihibe kuwe; ngokuba ku into e nengekayo kuJehova uTixo wako.

26 U nga i ngenise into e nengekayo endhlini yako, funa nawe u be into elahliweyo njengayo; Ma u i zonde leyonto, u i zonde kakulu; ngokuba i into e qalekisiweyo.

### ISAHLUKO 8.

**Z**ONKE izimemezelo e ngi kuyala ngazo ze namuhla ni ya kuziqonda ni zenze, ni ze ni pile, nande, ni ngeni ni fuye izwe ela fungelwa koyihlo benu uJehova.

2 U ya kukumbula konke ukukuhola kwake uJehova nga leminyaka e amashumi amane ehlane, uku kutobisa, noku ku linga, nokwazi oku senhliziyweni yako, uma u ya kuzigeina izimemezelo zake, noma a ku yi ku ba njalo na.

3 Wa ku tobisa, wenza ukuba u lambe, wa ku pa imana, o wa u nga lazi, nela li ngaziwa oyihlo benu; ukuba a kwazise ukuti ununtu a ka pili ngesinkwa sodwa, kodwa u pila ngawo onke amazwi a puma emlonyeni kaJehova.

4 Izingubo zako a zi ku gugelanga nonyawo lwako a lu vuvukalanga, nga leminyaka e ngamashumi amane.

5 U qonde futi enhliziyweni yako, ukuba, njengo muntu e luleka indodana yake, njalo uJehova uTixo wako u ya ku luleka nawe.

6 Ngako u ya kuzigeina izimemezelo zika Jehova uTixo wako, u hambe ngezindhla zake, u mesabe yena.

7 Ngokuba uJehova uTixo wako u ku ngenisa ezweni elihle, izwe lemifulana yamanzi, lemitombo namanzi a pupuma panshi ezigodini nasezintabeni;

8 Izwe li ka kolweni, nelamabele, namavini, nemiti yamakiwane, namarimoni; izwe lamafuta omgwenya, nezinyosi;

9 Izwe lapo u ya kudhla ukudhla ku nga bi ko ukudinga, a u yi ku silalelwa luto kulo; amatye alo a insimbi na sezintabeni za kona u ngemba itusi.

10 Lapo se u dhlile wesuta, u ya kumbusisa uJehova uTixo wako ngokunikela kwake lelo izwe elihle.

11 Qapela ukuba u nga kohlwu uJehova uTixo wako, ngokungazigeini izimemezelo zake, nokwahlula kwake, nemiteto yake, e ngi ku yala ngako namuhla.

12 Funa lapo se u dhlile wesuta, se u zakile izindhlu ezinhle, u hlala ku zo;

13 Na lapo imihlambi yako yezinkomo neyezimvu se yandile, nesiliva negolide lako se li liningi nako konke o nako se kwandile;

14 Inhliziyo yako i pakame, u kohlwe uJehova uTixo wako, o wa ku kipa ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili.

15 O wa ku hola ku lelohlane elikulu nelesabekayo, lapo kwa ku kona izinyoka zomlilo, nofezela, nendhlala, lapo kwa kungeko manzi; o wa ku vezele amanzi etyeni lensimbi;

16 O wa ku pilisa ehlane, ngemana e la li ngaziwa oyihlo benu, ukuze a ku tobise, a ku linge, ukukulungisa ekupeleleni kwako;

17 U tyo enhliziyweni yako, u ti, Amandhla ami, namandhla ezandhla zami, a ngi nikile lemfuyo.

18 Kodwa u ya kumkumbula uJehova uTixo wako; ngokuba amandhla okuzuzo imfuyo u wa piwa uyena, ukuze a qinisele isivumelwano a si fungayo koyihlo, njenga namuhla.

19 Ku ze ku ti, uma u kohlwu uJehova uTixo wako, u landela ezinye izitixo, u zi konze, u zi dumise, Ngi ya ku fakazela namuhla, ukuba u ya kufa impela.

20 Njengezizwe ezi bulewe uJehova ngapambi kwenu, njalo ni ya kufa nani; ngokuba a ni li lalalanga izwi lika Jehova uTixo wenu.

### ISAHLUKO 9.

**Y**IZWA, O Israeli; u ya kuliwela iJordani namuhla, ukungena nokufuya izizwe ezikulu nezi namandhla ku nawe, imizi emikulu, e nezangange ezi fika ezulwini,

2 Abantu abakulu nabade, abantwana bamaAnakime, e ni baziyo, ne ni zwileyo ngabo, ukuti, Ubani o ngema ngapambi kwabantwana baka Anaki na?

3 Qonda namuhla, ukuba uJehova uTixo wako uye owelayo ngapambi kwako, njengomlilo ovutayo u ya kuba-

bulala, u ya kubawisa pansi ngapambi kobuso bako; njaloke u ya kubaxotya, u ba qede masinyane, njengokutyo kuka Jehova kuwe.

4 U nga cabangi enhliziwani yako, uJehova e se ba kipile ngapambi kwako, ukuti, ngokulunga kwami uJehova u ngi ngenisile ukufuya lelizwe; kodwa ku ngobubi ba lezi zizwe ukuba uJehova u ya zi xotya ngapambi kwako.

5 A ku ngokulunga kwako, a ku ngo- buqoto benhliziyo yako, ukuba u ya ukulifuye izwe labo; kodwa uJehova uTixo wako u zi xotya ngapambi kwako ngenxa yobubi bazo, nokuba uJehova a feze izwi a li funga koyihlo, uAbrahama, noIsaka, noJakobe.

6 Yazike ukuba uJehova uTixo wako a ka ku niki lelizwe elihle ukuba u li fuye ngenxa yokulunga kwako; ngokuba u isizwe esi ntamo lukuni.

7 Kumbulake u nga kohlwa, ukumtututela kwako uJehova uTixo wako ehlane; ku suka ku lolu suku lokupuma kwako ezweni la sEgipite, na ze na fika ku lendawo, kade ni m cunula uJehova.

8 Na seHorebe, na m cunula uJehova ukuba a tukutele, uJehova wa ni tukutelela kwa nga ti a nga ni bulala.

9 Lapo nga ngi kupukele entabeni ukwamkela amatye, amatye esivumelwano e senziwa uJehova kinina. Nga hlala entabeni izinsuku ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane, a ngi dhlanga sinkwa, a ngi puzanga manzi:

10 uJehova wa ngi nika amatye amabili, e lotywe ngomunwe ka Tixo; na ku wona kwa lotywa onke amazwi a kulunywa uJehova kinina entabeni ngapakati komlilo, ngosuku lokuhlangana.

11 Kwa ti emva kwezinsuku ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane, uJehova wa ngi nika amatye amabili, amatye esivumelwano.

12 Wa ti uJehova kimina, Suka, wehle masinyane; ngokuba abantu bako o ba kipeleyo Egipite, bonakele; ba cezukile masinyane ngendhlela e nga ba yala ngayo ba zenzele isitombe esi nebilike-siweyo.

13 Futi uJehova wa kuluma kini, wa ti, Ngi ba bonile lababantu, bheka, ba ngabantu aba ntamo lukuni.

14 Ngi dedele, ngi ba bulale, ngi li ci-tye igama labo ngapansi kwezulu; ngenze wena u be isizwe esi namandhla nesikulu ku nabo.

15 Nga pendukake ngelha entabeni, intaba i vuta umlilo; namatye amabili esivumelwano a e sezandhleni zami zombili.

16 Nga bheka, nga bona, ukuba nonile kuJehova uTixo wenu na zenzela inkonyana e nebilikisiweyo; na ni delile masinyane indhlela e ni yalwa ngayo uJehova.

17 Nga tata amatye amabili, nga wa ntyinga pansi, nga wapula emehlweni enu.

18 Nga wa pansi ngapambi kuka Jehova, njenga kuqala, izinsuku ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane; a ngi dhlanga sinkwa a ngi puzanga manzi, ngenxa yezono zonke zenu eni zenzileyo, ngokwenza okubi emehlweni ka Jehova, uku m vusa ulaka.

19 Ngokuba nga ngi lwesaba ulaka nokutukutela okukulu Jehova a ni tukutelele ngako uku ni bulala, kodwa uJehova wa ngi zwa na nga lesosikati futi.

20 uJehova wa m tukutelela kakulu uAroni kwa nga ti a nga m bulala; nga m kulekela uAroni futi nga lesosikati.

21 Nga si tata isono senu, inkonyana e na ni yenzile nga i tyisa ngomlilo, nga i gxoba, nga i gaya ya ze ya ba njengotuli; utuli lwayo nga lu ponsa emfuleni o puma entabeni.

22 Na seTabera naseMasa, naseKibroth-hatava, na m vusa ulaka uJehova.

23 Na lapa uJehova e ni kipa eKadesh-barnea, e ti, kupukani ni li fuye izwe e ngi ni nikile lona; na sapula isimemezelo sika Jehova uTixo wenu, a ni kolwanga kuye, a ni li lalanga izwi lake futi.

24 Kade na ni mona uJehova ku suka osukwini e nga ni qabuke ngalo.

25 Ngako nga wa pansi ngapambi kuka Jehova izinsuku ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane, njenga kuqala; ngokuba uJehova wa e te u za ku ni bulala.

26 Nga kala kuJehova, nga ti, O Jehova Tixo, Musa ukubulala abantu bako, nefa lako, o li kululileyo ngobukulu bako, no li kipileyo Egipite ngesandhla esi namandhla.

27 Kumbula izineeku zako, uAbrahama, noIsaka noJakobe; u nga bu bheki ubutuntu ba laba bantu, nobubi babo, nezono zabo.

28 Funa izwe o si yisa kulo li ti, Ngo-



kuba uJehova wa e nge namandhla oku-ba fikisa ezweni o betembisa lona, na ngokuba wa e ba zonda, u ba kipile ukubabulala ehlane.

29 Noko ba ngabantu bako, nefa lako, o li kipileyo ngamandhla ako amakulu, na ngengalo yako e yeluliweyo.

ISAHLUKO 10.

**N**GALESOSIKATI uJehova wa ti kimi, Baza amatye amabili njenga wa kuqala, u kupukele kimina entabeni, u zenzele umpongolo womuti.

2 Ngi ya kuloba pezu kwamatye amazwi a e pezu kwamatye a kuqala o wa wapulayo; u wa beke empongolweni.

3 Nga wenza umpongolo ngomuti womshita, nga wa baza amatye amabili, a njenga wa kuqala, nga kupukela entabeni, ngi pete amatye lawo amabili esandhleni sami.

4 Wa loba pezu kwamatye, amazwi a njenga wa kuqala, izimemezelo ezi ishumi, e za kulunywa kinina uJehova entabeni ngapakati komlilo ngosuku lomhlangano; uJehova wa ngi nika wona.

5 Nga penduka, ngehla entabeni nga beka amatye empongolweni e ngi wenzileyo; a kona lapo, njengo ku ngi yaleza kuka Jehova.

6 Abantwana baka Israeli ba hamba besuka eBerote labantwana baka Jakani, ba fika eMosera; Wa fa lapo uAroni, wambelwa kona; uEleazari indodana yake wa ba umpristi esikundhleni sake.

7 Be suka lapo ba ya eGudgoda; besuka eGudgoda ba fika e Jotbate, izwe lemifula yamanzi.

8 Ngalesosikati uJehova wahlukanisa isizwe sakwa Levi, ukutwala umpongolo wesivumelwano sika Jehova, nokuma ngapambi kuka Jehova uku konza noku busisa egameni lake, ku ze ku be namhla nje.

9 Ngako uLevi a ka nalo ifa kubafo wabo; ifa lake li uJehova, njengo kutyo kuka Jehova uTixo wako kuye.

10 Nga hlala entabeni, njenga kuqala izinsuku ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane; uJehova wa ngi zwa ngalesosikati, uJehova a ka ni bulalanga.

11 Wa ti uJehova kimi, Suka, u hambe ngapambi kwabantu, ukuba ba ngene ba fuye izwe, e nga funga koyise babo ukuba ngi ba nike lona.

12 Manje, O Israeli, uJehova uTixo

wako u funani kuwe, ngapandhle kokuba u mesabe uJehova uTixo wako, nokuhamba ngazo zonke izindhlela zake, noku m tanda, noku m konza uJehova uTixo wako ngayo yonke inhliziyo yako, na ngawo wonke umpefumulo wako.

13 Ukuzigeina izimemezelo zika Jehova, nemiteto yake, e ngi ku yala ngayo namuhla ku be ukusiza kwako.

14 Bheka izulu, nezulu lamazulu li nge lika Jehova uTixo wako, umhlaba futi, nako konke oku kuwo.

15 Kodwa uJehova wa e be namele oyihlo benu uku ba tanda, wa keta inzalo yabo ngasemva kwabo, nina kubantu bonke, njenga namuhla.

16 Sokanike ijwabu lenhliziyo yenu, ni nga be ni sa ba ntamo lukuni.

17 Ngokuba uJehova uTixo wenu u nguTixo wezitixo, inkosi yamakosi uTixo omkulu, o namandhla nosabekayo, o nga ketiyo umuntu, no ngamkeliyo umvuzo.

18 Wenza ukwahlula kongenayise, nomfelokazi, u tanda umhambi, ngokumnika ukudhla nezingubo.

19 Tandanike o isihambi; ngokubani na be ni izihambi ezweni la sEgipite.

20 U ya kumesaba uJehova uTixo wako; u m konze yena, u namatele kuye, u funge igama lake.

21 Yena u ngukubusiswa kwako, uTixo wako, okwenzele lezi zinto ezinkulu nezesabekayo, ezi bonwe ngamehlo enu.

22 Oyihlo behlela Egipite abantu abangamashumi a isikombiza; manje uJehova uTixo wako, u kwenzile u be nje ngezinkanyezi zezulu ngobuniugi.

ISAHLUKO 11.

**N**GAKOKE u ya kumtanda uJehova, uTixo wako, u ku gcine a ku tyoyo, nezimiso zake nokwahlulela kwake, nomteto wake njalo njalo.

2 Yazinike namuhla; ngokuba a ngi kulumi kubantwana benu, a ba ngaziyo, na ba nga ka ku boni ukululeka kuka Jehova uTixo wenu, ubukulu bake, isandhla sake esi namandhla, ngengalo yake eyeluliweyo,

3 Nemimangaliso yake, nezenzo zake, a zenzayo ngapakati kweEgipite kuFaro inkosi ya sEgipite, na kulo lonke izwe lake;

4 Na kwenzayo empini ya sEgipite emahashini abo, na sezincweleni zabo;

nokwenza kwake ukuba amanzi olw-andhle olubomvu lu ba minze, ekulandeleni kwabo, nokuqedwa kwabo uJehova ku ze ku be namuhla;

5 Nokwenza kwake kinina ehlane, na ze na fika ku lendawo,

6 Na kwenzayo kuDatane, na kuAbiramu, amadodana ka Eliabi indodana ka Rubeni; ngokuvuleka komhlaba, noku minzwa kwabo, nendhlu yonke yabo, notente babo, nako konke o kwabo, ngapakati kwabaIsraeli bonke;

7 Kodwa amehlo enu a zi bonile zonke izenzo ezikulu ezenziwe uJehova.

8 Ngako ni ya kugeina wonke umteto e ngi ni yala ngawo namuhla, ni ze ni be namandhla, ni ngene ni fuye izwe, e ni ya kulo ukuba nake kona.

9 Nokuba zande izinsuku zenu ezweni, ela fungelwe koyihlo benu uJehova uku li nika bona, nenzalo yabo, izwe eli vama ubisi nezinyosi.

10 Ngokuba izwe eni ya kulo uku li fuya, a li njengalo izwe la sEgipite ena puma kulo, lapo be ni hlwanyela kona imbeu yenu, ni yi matisa ngezinyawo zenu, njengensimu yemifino.

11 Kodwa izwe, e ni ya kulo, li izwe lezintaba, nezigodi, li puza amanzi nge-mvula yezulu.

12 Izwe eli nakkelwa, uJehova uTixo wenu; amehlo ka Jehova uTixo wako a kulo njalo, ku suka ekuqaleni komyaka ku ze ku gcine.

13 Ku ya kuti, una ni zi lalala kahle izimemezelo e ngi ni yala ngazo namuhla, uku tanda uJehova uTixo wenu, noku m konza ngayo yonke inhliziyo yenu, na ngawo wonke unpefumulo wenu,

14 Ngi ya kuninika imvula yezwe lenu ngesikati sayo, imvula yokuqala umvula yokugeina, u ze u vune ukudhla kwako newaini lako, namafutata ako.

15 Ngi ya kupa izinkomo zenu utyani, ematafeni, ukuba u dhle wesute.

16 Hlakanipani, izinhliziyi zenu zi nga kohliseki, ni cezuke ni konze ezinye izitixo, ni zi dumise;

17 Nolaka luka Jehova lu vuke, a vale izulu, i nga bi ko imvula, nezwe li nga be li sa tela izitelo zalo; nokuba ni fe masinyane ezweni elihle eni nikwa lona uJehova uTixo wenu;

18 Ngako na ni wa gcine lawa mazwi ezinhliziyweni zenu, na semipefumlweni yenu, ni wa bope a be isibonakaliso

esandhleni senu ukuba u be izidhlohlo emkatini yamehlo enu.

19 Ni wa fundise abantwana benu, ni wa kulume ezindhlini zenu, na lapo ni hambayo, lapo ni lalayo, na lapo ni vukayo.

20 Ni wa lobe ezinsikeni zomyango we-zindhlu zenu, nasemasangweni enu:

21 Ukuba izinsuku zenu zande, nezi-insuku zabantwana benu, ezweni ela fungelwa uJehova koyihlo benu ukuba nika lona, njengezinsuku zezulu emhlabeni.

22 Uma ni londa kahle wonke umteto e ngi ni yala ngawo ukuwenza, ukumtanda uJehova uTixo wenu, nokuhamba ngazo zonke izindhlela zake, noku namatela kuye;

23 Konake uJehova u ya kuzixotyia zonke izizwe ngapambi kwenu, ni ya kufuya izizwe ezikulu nezi namandhla ku nani.

24 Yonke indawo lapo ni nyatela kona i ya kuba yenu; ku suka ehlane nase-Lebanoni, nasemfuleni uUfrati, ku ze ku fike elwandhle lokugeina ku be umqamlo wenu.

25 A ku yi kubako umuntu, o ya kuma ngapambi kwenu; ngokuba uJehova uTixo wenu u ya kwehlisela, ezweni lonke e ni ya kunyatela kulo ukwesaba, nevuso ngani, njengokutyio kwa-ke kinina.

26 Bheka, ngi beka namuhla ngapambi kwenu, isibusiso nesiqaqalekiso;

27 Isibusiso, uma ni lalala izimemezelo zika Jehova uTixo wenu, e ngi ni yala ngazo namuhla.

28 Nesiqaqalekiso, uma ni nga lalali izimemezelo zika Jehova uTixo wenu, ni pendukele kwezinye izindhlela, ku ne ngi ni yala ngazo namuhla, uku landela ezinye izitixo, e ni nga zaziyo.

29 Ku ya ku ti lapo uJehova uTixo wenu e ni fikisile ezweni e ni ya kulo ukuba ni li fuye, ni ya kubeka isibusiso pezu kwentaba iGerizimi, nesiqaqalekiso pezu kwentaba iEbali.

30 Aziko ngapesheya kweJordani, nga sentyonalanga, ezweni lamaKenani a hlala ezintabeni ngaseGilgali, ngasematafeni aseMore na ?

31 Ngokuba ni ya kuliwela iJordani ckungeneni kwenu ezweni lenu e ni nikwa lona uJehova uTixo wenu, ni ya kulifuya, ni hlale kulo.

32 Ni qapele ngokutyenza yonke imiteto, nokwahlula e ngi ku beka ngapambi kwenu namuhla.

## ISAHLUKO 12.

**I**LE imiteto nokwahlula e ni ya ku kwenza ezweni e ni nikwa lona uJehova uTixo wa oyihlo benu ukuba ni li fuye, zonke izinsuku zokupila kwenu emhlabeni.

2 Ni ya kubulala zonke izindawo, lapo izizwe e ni ya kuzifuya, be zi kona zizitoxo zazo, ezintabeni ezinde nasezintabeni ezincane, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza :

3 Ni ya ku diliza amalati abo, napule izinsika zabo, ni tyise amasimu abo gomlilo ; ni qumele pansi izitombe ezibaziweyo zezitoxo zabo, ni qede amagama azo ku leyo ndawo.

4 A ni yi kwenze njalo kuJehova uTixo wenu.

5 Kodwa endaweni e ya ku ketwa uJehova uTixo wenu kuzo zonke izizwe zenu uku beka igama lake kona, ni ya kufuna indhlu yake, ni ze kuyo.

6 Na lapo ni ya kuleta iminikelo yenu etyisiweyo, nemihlatyelo yenu, nezinxenyana zeshumi zenu, nezipo eziponsiweyo ngezandhla zenu, nezifungo zenu, nezipo zenu zesihle namazibulo emihlabi yonke yezimvu neyezinkomo.

7 Kona ni ya kudhla ngapambi kuka Jehova uTixo wenu, ni jabula kuko konke e ni kwenzayo, nina nezindhlu zakini, eni busisiwe ngazo uJehova uTixo wenu.

8 A ni yi kwenza njengako konke ukwenza kwetu lapa, namuhla, i lowo njengokutanda kwamehlo ake,

9 Ngokuba a ni ka fiki ekupumuleni nasefeni, eni nikwa lona uJehova uTixo wenu.

10 Kodwa lapo se ni li welile iJordani, nake ezweni eni li nikwa uJehova uTixo wenu, ukuba ni li fuye, na lapo e se ni punuzile eziteni zonke zenu za kona, se ni hlezi ngokungesabi ;

11 Ku ya kutike ku be kona indawo e ya ku ketwa uJehova uTixo wenu, ukuze igama lake li hlale kona ; lapo ni ya kuyisa konke e ngi ni yale ngako ; iminikelo yenu yokutya, nemihlatyelo yenu, nezinxenyana zenu, zeshumi nomnikelo wenu wokuponsa, nezifungo zonke zenu eziketiweyo e ni zi funga kuJehova.

12 Ni ya kujabula ngapambi kuka Jehova uTixo wenu, nina, namadodana enu, namadodakazi enu, nezinceku zenu, nezincekukazi zenu, nomLevi o pakati kwamasango enu ; ngokuba e nge nayo inxenyane nefa kinina.

13 Hlakanipake u nga i nikele iminikelo yako yokutya, ezindaweni zonke o zi bonayo ;

14 Kodwa endaweni e ya kuketwa uJehova kwesinye isizwe senu, ni ya kuinikela lapo iminikelo yenu yokutya na lapo ni ya kukwenza konke e ngi ni yala ngako.

15 Noko u nga bulala u dhle inyama ngapakati kwawo onke amasango ako, nako konke oku tandwa inhliziyo yako, njengesibusiso sika Jehova uTixo wako a ku nike sona, o ngcolileyo no nga ngcolile a nga ku dhla, njengendhluzele nenye inyamazane,

16 Kodwa a ni yi ku li dhla igazi ; ni ya kulicita pansi njengamanzi,

17 A u yi ku i dhla ngapakati kwamasango ako inxenyana yeshumi yombila wako, neyewaini lako, neyamafuta ako, neyomazibulo emihlabi yako yezinkomo neyezimvu, nezifungo o zi fungileyo, nezipo zako zesihle, nesipo sokuponswa ngesandhla sako ;

18 Kodwa u ya kukudhla loku ngapambi kuka Jehova uTixo wako endaweni e ya ku ketwa uJehova uTixo wako, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nenceku yako, nencekukazi yako, nomLevi o pakati kwamasango ako ; ni jabule ngapambi kuka Jehova uTixo wako kuko konke o ku patayo ngezandhla.

19 Hlakanipa u nga m deli umLevi ngako konke ukupila kwako emhlabeni,

20 Lapo uJehova uTixo wako u ya kwandisa umhlaba wako njengokuqinisa kwake kuwe na lapo u ya kuti wena, ngi ya kudhla inyama, ngokuba inhliziyo yako i ya kanuka inyama, u nga i dhla inyama, nako konke oku kanukwa inhliziyo yako.

21 Uma indawo eketiweyo uJehova uTixo wako ukuba a beke igama lake kona, i kude kakulu kuwe, u ya kulhlabisa emihlabini yako yezinkomo neyezimvu o yi piwe uJehova, njengoku ku yala kwami, u dhle ngapakati kwamasango ako konke oku kanukwa inhliziyo yako.

22 U ya ku kudhla, njengokuba ku dhliwa indhluzele nenye inyamazane ; o ngcolileyo no nga ngcolile ba ya kudhla kanyekanye.

23 Kodwa qinisa u nga li dhle igazi ; ngokuba igazi li ngukupila ; u nga ku dhli ukupila kanye nenyama.

24 U nga li dhli; u li cite pansi nje-ngamanzi.

25 U nga li dhli; ukuba ku be kuhle kuwe; nakubantwana bako emva kwako, lapo u ya kwenza okulungileyo emehlweni ka Jehova.

26 Kodwa u ya kutata izinto zako ezi ingewe, nezifongo zako, u ye endaweni e ya ku ketwa uJehova.

27 U nikele iminikelo yako yokutya, inyama, negazi, pezu kwelati lika Jehova uTixo wako; negazi lemihlatyelo yako li ya kutelwa pezu kwelati lika Jehova uTixo wako, u dhle inyama.

28 Qonda u wezwe onke lawa mazwi e ngi ku yala ngawo, ku ze ku be kuhle kuwe, nakubantwana bako emva kwako njalo njalo, lapo u kwenza okulungileyo nokuhle emehlweni ka Jehova uTixo wako.

29 Lapo uJehova uTixo wako u ya kunquma izizwe ngapambi kwako, lapo u ya kona ukuzifuye, u zi landele, wake ezweni lazo;

30 Hlakanipa u nga yengwa uku ba landela, se be bulewe ngapambi kwako; u nga buzi na ngezitixo zabo, u ti, Lezi zizwe za zi konza izitixo zabo kanjani na? nami ngi ya kwenze njalo.

31 U ngenzi njalo kuJehova uTixo wako; ngokuba kuJehova zonke izono a zi zondayo, ba zenzile ezitixweni zabo; namadodana namadodakazi abo ba wa tyisele izitixo zabo.

32 Loku e ngi ku yala ngako, ku qonde u kwenze; U nga kwandisi, U nga ku neipisi.

### ISAHLUKO 13.

**U**MA ku vela kinina amazisi, noma unpupi wamapupo, a ni nike isibonakaliso noma isimangaliso.

2 Nesibonakaliso noma isimangaliso si vela, njengokutyo kwake kuwe, e ti, ma si landele izitixo ezinye, o nga zaziyo, si zi konze;

3 U nga wa laleli amazwi a lomazisi, na lowo mpupi wamapupo: Ngokuba uJehova uTixo wenu u ya ni linga, uku bona uma ni ya m tanda uJehova uTixo wenu ngenhliziyo yonke yenu na ngompefumulo wonke wenu na?

4 Ni ya kumlandela uJehova uTixo wenu, ni mesabe, ni geine izimemezelo zake, ni lalele izwi lake, ni m konze, ni namatele kuye.

5 Lowomazisi nompupi wamapupo u ya kabulawa; ngokuba u lingile ukune-

dusa kuJehova, uTixo wenu, o ni kipi-leyo ezweni la sEgipite, no ni kululileyo endhlini yobugqili ukunipambukisa endhleleni e ni yalwa uJehova uTixo wenu ukuba ni hambe ngayo. Ngako ni ya kubukipa lobo bubu ngapakati kwenu.

6 Uma umfo wenu, indodana ka nyoko, noma indodana yako, noma indodakazi yako, noma umkako, o sesifubeni sako, noma umhlobo wako otandekayo kakulu, e ku yenga ngasese, e ti, Ma si hambe si konze ezinye izitixo, o nga zaziyo, noyihlo benu;

7 Ngi tuyo izitixo zabantu aba ku haqileyo, eduze nawe, noma kude nawe, ku suke ekuqaleni kwezwe ku ze ku fike ekugeinini kwezwe.

8 U nga m vumeli, u nga m laleli; u nga m dabukeli futi, u nga m yeki, u nga m tukusi.

9 Wo m bulala impela; wo bulawa isandhla sako kuqala, ngasemva isandhla sabantu bonke.

10 Wo m gxoba ngamatye, a fe; ngokuba u lingile uku ku hlubukisa kuJehova uTixo wako, o ku kipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili.

11 Aba ka Israeli bonke ba ya kuzwa, besabe, ba nga be be sa kwenza okubi loku kini.

12 Uma u ya kuzwa komunye umuzi o wu nikwe uJehova uTixo wako ukuba wake kona, kutiwa,

13 Amanye amadoda abantwana baka Beliali, a pumile kinina, a kipile abantu bomuzi wabo, e ti, Ma si hambe si konze ezinye izitixo, e ni nga zaziyo;

14 U ya kubuza, u hlolisise, u buzi-sise; ku ti uma ku qinisile loko, na leyonto i iqiniso, nokuba leyonto embi yenzakele pakati kwenu;

15 U ya kubulala impela abantu ba lowomuzi ngenkamba, u wu qede impela, nako konke oku pakati, nezinkomo zawo, ngenkamba.

16 U yi butele yonke impango yawo esangweni, u wu tyise umuzi ngomlilo, nayo yonke impango, yawo ngenxa ka Jehova uTixo wako; ku be inxiwa njalo; ku nga be ku sakiwa futi.

17 A ku yi kunamatela luto ku le yonto embi ezandhlini zako; ukuze uJehova a penduke ekutukuteleni kwake okukulu, a be nomusa kuwe, a ku dabukele, a kwandise, njengo ku funga kwake koyihlo benu;

18 Lapo u ya kulilalela izwi lika Je-

hova uTixo wako, ukugcine zonke izimezelo e ngi ku yala ngazo, namuhla, ukwenza okulungileyo emehlweni ka Jehova uTixo wako.

ISAHLUKO 14.

**N**INA ni ngabantwana baka Jehova uTixo wenu; a ni yi ku zinquma, ni pucule emkatini wamehlo enu ngenxa yabafileyo.

2 Ngokuba ni ngabantu aba ngewele kuJehova uTixo wenu noJehova u ni ketile, ni be ngabaketiweyo kuye ngapezu kwazo zonke izizwe ezi semhlabeni.

3 U nga yi dhli into embi.

4 Ilezi izilwane e ni ya kuzidhla; inkomo, imvu, nembuzi.

5 Indhluzele, nezinhlobo zezinyamazane, nembuzi yasendhle, nenyati, nemvu yasendhle, nezameri.

6 Nazo zonke izilwane, ezi nenselo e ya hlukaneyo, e ya hlukene kabili, nezetyisayo ezilwaneni, loku ni ya kuku-dhla.

7 Kodwa ezitile na kuzo ezetyisayo a ni yi kuzidhla, na kwezi nenselo e ya hlukaneyo; njengekamelu, nembila, nentenetya; zi yetyisa lezo, kodwa a zi nayo inselo e ya hlukeneyo ngako zi ngcolile kinina.

8 Ngkulube, ngokuba i nenselo e ya hlukaneyo, kodwa ka yetyisi, i ngcolile kinina: ni nga yi dhli inyama yayo, ni nga tinti isidumbu sayo esifileyo.

9 I lezi ezilwaneni zonke ezi semanzi ni e ni ya ku zi dhla, zonke ezi nezimbemba, nenkwetu.

10 Ezi nge nazo izimbemba nenkwetu, a ni yi ku zi dhla, zi into e ngcolileyo kinina.

11 Zonke izinyoni ezi nga ngcolile ni ya kuzidhla.

12 Kodwa lezi e ni nga yi ku zi dhla; ukozi, noperesi noazniya.

13 Neraya no aja, nenqe, izinhlobo ngezinhlobo.

14 Negwababa, izinhlobo ngezinhlobo. 15 Nesikova, nonhloile wasebusuku, neshakafi, nonhloile, izinhlobo ngezinhlobo.

16 Nesikovana, nesikova esikulu, nehansi.

17 Nekaati nokozi, neshalaki.

18 Nokasida, neyanafa, izinhlobo ngezinhlobo, nodukipati, nelulwane.

19 Nako konke okukasayo, okun dizayo ku into e ngcolileyo kinina; a ku yi kudhliwa.

20 Kodwa ezinyonini zonke ezi nga ngcolile ni nga zi dhla.

21 A ni yi ku ku dhla okuzifelayo; u ya kukupa isihambi esi ngapakati kwamasango ako, ukuba si ku dhle; u nga tengisa ngako kowezizwe, ngokuba nina ni ngabantu abangewele kuJehova uTixo wenu, A ni yi ku li peka izinyane lembuzi obisini luka nina.

22 U ya kwahlukanisa impela inxenyanana yeshumi yezitelo zako, ezi milayo ensinini iminyaka ngeminyaka.

23 U dhle ngapambi kuka Jehova uTixo wako, endaweni a ya ku i keta ukubeka igama lake kona, inxenyanana yeshumi yombila wako, newaini lako, namafuta ako, namazibulo emihlambi yako yezinkomo neyezimvu; u funde ukumesaba uJehova uTixo wako njalo.

24 Uma indhlela i kude kuwe, u pelelwe amandhla ukukutwala loko; noma indawo i kude kakulu ku nawe e ketiweyo uJehova uTixo wako ukubeka igama lake kona, lapo uJehova uTixo wako e se ku busisile:

25 Kona u ya kukupambanisa ngemali loko, u yi songe leyo mali esandhleni sako, u ye kuleyo ndawo e ya ku ketwa uJehova uTixo wako.

26 U tenge nga leyo mali kuko konke oku tandwa inhliziyoyako, noma izinkabi, noma izimvu, noma iwaini, noma utywala obu namadhla, noma ku ngokutandwa inhliziyoyako konke; u dhle lapo ngapambi kuka Jehova uTixo wako, u jabule, wena, nabendhlu yako.

27 NomLevi, o ngapakati kwamasango ako; u nga m shiyi, ngokuba a ka nalo ifa kanye nawe.

28 Ekugcineni kweminyaka emitatu u ya kuleta zonke izinxenyana zeshumi zezitelo zako nga lowomnyaka, u zi bekelele ngapakati kwamasango ako:

29 NomLevi (ngokuba ka nalo ifa kanye nawe), nesihambi, nongenayise, nomfelokazi, aba ngapakati kwamasango ako, ba ya kuza, ba dhle besuti; ukuze uJehova uTixo wako a ku busise, kuwo wonke umsebenzi owenziwa isandhla sako.

ISAHLUKO 15.

**E**KUGCINENI kweminyaka e isikombisa, ko ba kona ukukululeka.

2 Nokwenziwa kwa loko kukululeka ku ya kuba nje, Bonke aba tyelekileyo komakelwane wabo, ba ya kubakulula ku loko; a ka yi ku ku biza loko kumakelwane wake, noma kumfo wabo; ngo-

kuba ku bizwa ngokuti ukukululeka kuka Jehova.

3 Kowezizwe u nga ku biza; kodwa loko okwako oku kumfo wenu, isandhla sako si ya ku m kulula kuko.

4 Ukuba ku nga bi ko abampofu pakati kwenu ngokuba uJehova u ya kunibusisa kakulu ezweni eni li nikwa uJehova uTixo wenu ukuba ni li fuye li be ifa lenu.

5 Uma u lalala kahle izwi lika Jehova uTixo wako, nokuqapela ukuzenza zonke lezi zimemezelo e ngi ku yala ngazo namuhla.

6 Ngokuba uJehova uTixo wako u ya ku busisa, njengokukwetembisa kwake; wena u ya kutyeleka abezizwe eziningi, kodwa a wu yi ku tyeleka luto kubona; u ya kubusa pezu kwezizwe eziningi, kodwa zona a zi yi ku ku busa.

7 Uma ku kona omunye ompomfu kubafu wenu ngapakati kwamasango ako ezweni o li nikwe uJehova uTixo wako, u ngenzi inhliziyo yako, i be lukuni u m valele nesandhla sako kumfo wenu ompomfu.

8 U ya kusivula kakulu isandhla sako nga kuye, u m tyeleke a kwanele ukudinga kwake, kuko a ku sweleyo.

9 Hlakanipa ku nga bi ko umcabango omubi enhliziyweni yako wokuti, umnyaka wesikombisa, umnyaka wenkululeko u se u fikile; neso lako li be libi kumfo wenu lowo ompomfu, u nga be u sa m nika luto; a kale kuJehova ngawe, ku be isono nga kuwe.

10 M nike impela, nenhliziyyo yako i nga katazeki lapo u m nikayo; ngokuba ngenxa ya loko uJehova uTixo wako u ya kukubusisa emisebenzini youke yako, nako konke o beka isandhla sako kuko.

11 Ngokuba abampomfu a ba yi ku pela ezweni; ngako ngi ya kuyala, ngi ti, Vula kakulu isandhla sako kumfo wenu, na kwabampofu benu, na kwabadingayo benu, ezweni lakini.

12 Uma umfo wenu, indoda kumaHeberu, noma owesifazana kumaHeberu, e tengiswa kuwe, a ku sebenzele iminyaka e isitupa; ko ti ngomnyaka wesikombisa u m dedele a pume kuwe ngokukululeka.

13 Lapo u m mukisa e kululekile, a u yi kunyeka a muke eze.

14 U ya kumnika kakulu emihlambini wako, na semputyini yako, na sewaini lako, na kuko konke a ku busisi-

leyo ngako uJehova uTixo wako u ya kumupa.

15 U kumbule ukuba wa u isibotywa ezweni lasEgipite, noJehova uTixo wako wa ku kulula; ngako ngi ya kuyala ngalento namuhla.

16 Ko ti uma e ti kuwe, a ngi yi kukushiya; ngokuba e ku tanda nendhlu yako, na ngokuba e pilile kahle kuwe;

17 U ya kutatake usungulu, u bobose indhlebe yake ngalo emnyango, a be inceku yako njalo njalo, na kowesifazana u ya kwenze njalo.

18 Ku nga bi lukuni kuwe, lapo u m mukisa e kululekile ngokuba u se lingene nezineeku ezimbili, ngokukusebenzela iminyaka e isitupa; noJehova uTixo wako u ya kukubusisa kuko konke o kwenzayo.

19 Onke amazibulo amaduna emihlambini yako yezinkomo neyezimvu, u ya ku wa hlukanisela uJehova uTixo wako; a ku yi ku sebenza ngamazibulo ezinkomo ezi amaduna, u nga wa gundi amazibulo ezimvu zako.

20 U ya kukudhla loko ngapambi kuka Jehova uTixo wako njalo iminyaka ngeminyaka endaweni e ya ku ketwa uJehova, wena nabendhlu yako.

21 Uma ku kona ieala kulo uma li xuga, noma li impumputi, noma i nesiga esibi, u nga li nikela kuJehova uTixo wako.

22 U ya kulidhla ngapakati kwamasango ako; o ngcolileyo no nga ngcolile ba ya kulidhla, njengendhluzele, nenye inyamazane.

23 Kodwa a ni yi ku li dhla igazi lalo; u ya kulicita pansi njengamauzi.

## ISAHLUKO 16.

**G**CINA inyanga uAbibi, a londa ngayo ipasika lika Jehova uTixo wako, ngokuba ngenyanga uAbibi uJehova uTixo wako wa ku kipa ezweni lasEgipite ebusuku.

2 Ngako u ya kunikela ipasika kuJehova uTixo wako, emihlambini yezimvu neyezinkomo, endaweni e ya kuketwa uJehova ukubeka igama lake kona.

3 U nga si dhli isinkwa esi nembiliso kanye nalo kodwa izinsuku ezi isikombisa u ya kudhla isinkwa esi nge nambiliso nalo, isinkwa senhlupeko; ngokuba wa puma ezweni lasEgipite ngokutyetya: ukuze u lu kumbule usuku lokupuma kwako ezweni lasEgipite zonke izinsuku zokupila kwako.

4 Ma si nga bonakali isinkwa esi nambiliso ezweni louke lakini izinsuku ezi isikombisa; nenyama o yi nikelayo ngosuku lokuqala kusihlwa, ma i nga hlali ku ze ku se.

5 Ma ni nga li hlabei ipasika ngapakati kwamasango ako o wa nikwa uJehova uTixo wako.

6 Kodwa endaweni e ketwa uJehova uTixo wako ukubeka igama lake kona, lapo u ya kuhlaba ipasika kusihlwa, ekutyoneni kwelanga ngesikati sokupuma kwako Egipite.

7 U ya kulipeka u li dhle endaweni e ya ku ketwa uJehova uTixo wako: u penduke kusasa u ye kutente wako.

8 Ngeziusuku ezi isitupa u ya kudhla isinkwa esi nge nambiliso: ngosuku lwesikombisa ku ya kuba kona umhlangano o ingewele kuJehova uTixo wako; u nga sebenza nga lolo suku.

9 U ya kubala amasonto a isikombisa, u qale ukuwabala ngesikati sokuqala kwako ukuyuna amabele.

10 U geine ukudhla kwamasono kuJehova uTixo wako ngesipo senhliziyo sesandhla sako, o ya ku si nika uJehova uTixo wako; njengokubusiswa kwako uJehova uTixo wako.

11 U jabule ngapambi kuka Jehova uTixo wako, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, neneku yako, nencekukazi yako, nomLevi o pakati kwamasango ako, nongaziwayo, nongenayise, nomfelokazi, aba pakati kwenu, endaweni e ketiweyo uJehova uTixo wako ukubeka igama lake kuyo.

12 U kumbule ukuba nawe wa u isibotywa Egipite: u qapele ukuzenza lezi zimiso.

13 Ma u geine ukudhla kwamadokodo izinsuku ezi isikombisa, se u vunile amabele ako newaini lako.

14 U jabule ekudhleni kwako, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, neneku yako, nencekukazi yako, nomLevi, nsihambi nongenayise, nomfelokazi, aba pakati kwamasango ako.

15 Ngeziusuku ezi isikombisa u ya kudhla ukudhla oku ingewele kuJehova uTixo wako endaweni e ya ku ketwa uJehova; ngokuba uJehova uTixo wako u ya kukubusisa kuyo yonke inzalo yako, na kuyo yonke imisebenzi yezandhla zako, ngako u ya kujabula impela.

16 Katatu ngonyaka u ya kubonakala bonke abesilisa bakini ngapambi kuka Jehova uTixo wako, endaweni e ya ku

ketwa uye; ekudhleni kwesinkwa esi nge nambiliso, nasekudhleni kwamasono, nasekudhleni kwamadokodo ba nga bonakali ngapambi kuka Jehova beze:

17 Ilowo muntu u ya kunika njenga mandhla ake, njengesibusiso sika Jehova uTixo wako, a ku nikileyo sona.

18 U ya kuziketela amakosi nezinduna ngapakati kwawo onke amasango ako o wa nikwa uJehova uTixo wako, ezizweni zonke zakini, ba ya kuteta amacala abantu ngokufaneleyo.

19 Ma u nga pambanisi muntu ecaleni, ma u nga keti muntu futi, u nga samkeli isipo; ngokuba isipo si pumputekisa abahlakanipileyo, sonakalisa namazwi abalungileyo.

20 Loko oku lungileyo kakulu u ya kukulandela, ukuze u pile, u li fuye izwe o li nika uJehova uTixo wako.

21 U nga i tyali imiti eduze kwelati lika Jehova uTixo wako, o ya ku zenzela.

22 U nga zimiseli futi isitombe; esi zondwa uJehova uTixo wako.

#### ISAHLUKO 17.

**M**A ni nga m hlabei uJehova uTixo wenu inkabi noma invu e necala, noma e nokubi; ngokuba loku ku isine ngiso kuJehova uTixo wako.

2 Uma ku tolakala kinina, ngapakati kwamasango ako o wa piwe uJehova uTixo wako, indoda, noma umfazi, okwenzileyo okubi emehlweni ka Jehova uTixo wako ngokwapula isivumelwano sake.

3 Wa hamba wa konza ezinye izitixo, noma ilanga, noma inyanga, noma ko okupezulu, e ngi nga ku yalezanga.

4 U bikelwe u ku zwe, u buzisise ngako, u bone ukuba ku njalo into e qinisi-leyo, ini ukuba lesa sono senzakele impe- lwa kwaIsraeli.

5 U i lete leyondoda noma owesifazana o yenzileyo le yonto embi, ngapakati kwamasango enu, leyo ndoda noma isifazana, ni m xobe ngamatye, a ze a fe.

6 Ngomlomo wofakazi ababili, noma abatu, lowo o fanele ukubulawa ma ka bulawe; kodwa ngomlomo wofakazi munye, ma ka nga bulawa.

7 Izandhla zofakazi zi ya kuqala ukumbulala ngasemva izandhla zabantu bonke. Nga loko ni ya kukipa lobo buli kinina.

8 Uma ku vuka indaba ekwahlulayo ngomteto, ngegazi negazi, ngecala necala,

ngokutyaya nokutyaya, izindaba zokuxabana ngapakati kwamasango ako wo suka, u ye endaweni e ya kuketwa uJehova uTixo wako.

9 U fike kubapristi abaLevi, Na kumahluli o kona, nga lezo zinsuku u buze; ba ya kukutyela izwi lokwahlula,

10 U ya kwenza njengezwi o li tyelwa aba kuleyo ndawo e ya ku ketwa uJehova, wenze kahle kuko konke aba ku tyela kona :

11 U ya kwenza njengokwahlula komteto aba ku fundisa kona, na njengomteto aba ku tyela wona; a wu yi ku pambukela nga kwesokuponsa na nga kwesokohlo emtetweni a ba ku kombisa wona.

12 Umuntu o wenza ngokudelela o nga m laleliyo umpristi o miswe ukukonza lapo ngapambi kuka Jehova uTixo wako, noma kumahluli lowo muntu ma ka fe; u qede lobo ubi kwabakaIsraeli.

13 Abantu bonke ba ya kuzwa, besabe, ba nga pindi benze ngokudelela.

14 Lapo se u fikile ezweni o li piwe uJehova uTixo wako, u li fuye, u hlale kulo, u ti, ngi ya kumisa inkosi pezu kwami, njengazo zonke izizwe ezi ngi haqileyo;

15 U m mise a be inkosi pezu kwako, o ya ku ketwa uJehova uTixo wako; u ya kumisa omunye kubafo wenu a be inkosi pezu kwako: u nga m misi o ngaziwayo ngapezu kwako, o nge siye umfo wenu.

16 Kodwa a ka yi ku zandise amahashi, enzele ukuba abantu ba buyele Egipte, ngokubuta anahashi lawo; ngokuba uJehova u tyilo kinina ukuti, A ni sa yi ku buyela kona.

17 Futi ma ka nga zibuteli abafazi, funa inhliziyi yake i hlubuke; futi ma ka nga zibuteli isiliva negolide,

18 Ku ya kuti lapo e hlezi esihlalweni sake sobukosi, a lobe inewadi ya lomteto enewadini, umteto o njengo ngapambi kwabapristi abaLevi.

19 Ku ya kuti, i be kuye a i funde zonke izinsuku zokupila kwake; a funde ukumesaba uJehova uTixo wake, ukugcina onke amazwi a lomteto na lezi zi memezelo ukuzenza;

20 Ukuba inhliziyi yake i nga kukumali ngapezu kwabafo wabo, nokuba a nga pambuki esimemezeleni, a ye ngakwesokuponsa na ngakwesokohlo; ukuze a zandise izinsuku zake embusweni wake, yena, nabantwana bake, pakati kwabakaIsraeli.

## ISAHLUKO 18.

**A**BAPRISTI abaLevi, naso sonke izizwe sa kwa Levi, A si yi ku ba nalo ifa kanye nabakaIsraeli; ba ya kudhla iminikelo ka Jehova eyenziwe ngomlilo, nefa lake.

2 Ngako a ba yi ku ba nalo ifa kubafo wabo; ifa labo li uJehova, njengokutyi kwake kubo.

3 Loku ku ya kuba inkokelo yabantu kumpristi, ku bona a benza umnikelo, noma ku inkabi noma imvu; ba ya ku m nika umkono, nemihlati yombili, nenanzi.

4 U ya kumnika futi, izitelo zako zokuqala zombila newaini, namafuta, noboya bokuqala bezimvu zako.

5 Ngokuba uJehova uTixo wako u m ketile yena kuzo zonke izizwe zakini ukuma, nokukonza ngegama lika Jehova, yena namadodana ake, njalo njalo.

6 Noma ku puma umLevi emasangweni ako kubo bonke abakwaIsraeli, lapo e hambela kona, e fika nalo lonke utando lwenhliziyi yake endaweni e ya kuketwa uJehova;

7 U ya kukonza ngegama lika Jehova uTixo wake, njengokwenza kwabafo wabo abaLevi abemayo lapo ngapambi kuka Jehova.

8 Ba ya kudhla okulinganayo, ngapandhle kokubela ngentengiso yefa lika yise.

9 Lapo se u fikile ezweni o li piwe uJehova uTixo wako, u nga fundi ukwenza okubi kwalezo zizwe.

10 Ma ku nga funyanwa pakati kwenu namunye o wenza indodana noma indodakazi yake i dhlule emlilweni noma o bulayo, nohlola izikati, noinyanga nomuyengi wezinnyoka, nesanusi.

11 Noncemilingo, no kuluma nabafileyo, nomtakabi, no nemilozisi.

12 Ngokuba bonke a benza lezi zinto ba isinengiso kuJehova: na ngazo lezi zinengiso uJehova uTixo wako u ya kubaxotyana ngapambi kwako.

13 Ma u pelele kuJehova uTixo wako.

14 Ngokuba lezi zizwe o ya ku zi fuya, za ba lalala abahloli bezikati, naba bulayo; kodwa wena uJehova uTixo wako a ka ku vumeli ukuba wenze loko.

15 uJehova uTixo wako u ya kukuvezela umprofeti wakini kubafo wenu, njengami; ma ni m lalale yena;

16 Ngako konke o wa ku biza kuJehova uTixo wako eHorebe ngosuku lo-inhlangano, u ti, Ma ngi nga be ngi sa



li zwa izwi lika Jehova uTixo wami, ma ngi nga be ngi sa wu bona lomlilo omkulu futi, funa ngi fe.

17 Wa ti uJehova kimina, ba ku tyilo kahle, loko aba ku kulumileyo.

18 Ngi ya kubavezela umProfeti kubafu wabo, a be njengawe, ngi ya kubeka amazwi ami emlonjeni wake; u ya kukuluma kubona konke a ku tyelwa imina.

19 Ku ya kuti, uma e kona o nga wa laleliyo amazwi ami a wa kulumayo egameni lami, ngi ya kukubiza kuye.

20 Kodwa umprofeti, o ya kukuluma izwi ngegama lami, e ngi nga m yalezanga ukuba a li kulume, noma e kuluma egameni lezinnye izitixo, lowo mprofeti u ya kufa impela.

21 Noma u ti wena enhliziyweni yako, Si ya kulazi ngani igama eli nga kulunywanga uJehova na?

22 Uma umprofeti e kuluma egameni lika Jehova, uma le yonto ka i veli, yenzeke le yonto a i kulunywanga uJehova, umprofeti u zikulumele yona; a ni yi ku mesaba yena.

#### ISAHLUKO 19.

**L**APO uJehova uTixo wako e se ba nqumile abantu aba sezweni o li piwa uJehova uTixo wako, nawe u ba landele, u hlale emizini yabo, nasezindhlini zabo;

2 U ya kuzahlukanisela imizi emitatu pakati kwezwe, o li nikwa uJehova uTixo wako ukuba u li fuye.

3 U ya kuzilungisela indhlela ahluhanise imincele yezwe lako, o li nikwa uJehova uTixo wako li be ifa lako, li datyulwe katatu, umbulali a ze a balekele kona,

4 Le indaba yombulali o ya kubalekela kona ukuba a pile; o bulala umakelwane wake ngokungazi, e kade e nga m zondi ngesikati esidhlulileyo;

5 Njengomuntu o ya ehlatini nomakelwane wake ukugaula izinkuni, ingalo yake i linga ukugaula umuti ngembazo kodwa imbazo i pume empinini, i m tyaye umakelwane wake, a fe; u ya kubalekela komunye wa leyo mizi a pile;

6 Funa umpindiseli wegazi, a m landele umbulali, ku sa tyisa enhliziyweni yake, a m fumane ngokuba indhlela i kude, a m bulale; kanti be ku nga fanele ukuba a bulawe, ngokuba e kade e nga m zondi esikatini esidhlulileyo,

7 Ngako ngi ya kuyala, ngi ti, U ya kuzahlukanisela imizi emitatu.

8 Uma uJehova uTixo wako, e landisa izwe lako, njengokufunga kwake koyihlo, a ku nike lonke izwe a letenbisa oyihlo;

9 Uma u zigcina zonke lezi zimemezele, e ngi ku yala ngazo namuhla uku m tanda uJehova uTixo wako, nokuhamba njalo ngemiteto yake; njalo u ya kwengezela imizi emitatu futi ngapandhle kwa lemizi;

10 Ku ze ku ti igazi eli nge nacala li nga citwa ezweni lako, o li nikwa uJehova uTixo wako li be ifa lako; igazi li be pezu kwako.

11 Kodwa uma umuntu e zonda umakelwane wake, a m catyele, a m vukele, a m tyaye ingozi, a fe, a balekele komunye wa lemizi:

12 Konake abakulu bomuzi wakubo ba ya kumlanda, ba m kipe lapo, ba m nikele esandhleni sompindiseli wegazi, a fe.

13 Iso lako a li yi ku m dabukela ukuba u suse icala legazi eli nge nacala kwa-Israeli ukuze ku be kuhle kuwe.

14 U nga i suse incwadi yezwe lomakelwane wako o wa bekwa abokuqala efeni lako o ya kulidhla ezweni o li piwe uJehova uTixo wako ukuba li be e lako.

15 Ufakazi o yedwa a ka yi kumvukela umuntu ngobubi na ngesono a senzileyo; indaba i ya kuqiniswa ngomlomo wofakazi ababili nabatatu.

16 Uma ufakazi wamanga e vukele umuntu a m fakazele ngobubi;

17 Konake bobabili labo aba xabeneyo ba ya kuma ngapambi kuka Jehova ngapambi kwabapristi nabahluli abakona nga lezo zinsuku.

18 Abahluli ba buzisise kahle ku ti uma ufakazi e ngufakazi wamanga e qinisela amanga ngomfu wabo,

19 Kona ni ya kwenza kuye njengokuba be ti, u za kwenza kumfu wabo, njalo ni ya kubususa ububi kinina.

20 Abasalayo ba ya kuzwa, besabe, ba nga be besa benza lobu bubi kinina futi.

21 Iso lako li nga haukeli, ukupila ko mela ukupila, iso li mela iso, nezinyo izinyo, nesandhla isandhla, nonyawo unyawo.

#### ISAHLUKO 20.

**L**APO u pumayo, ukuhlasela izita zako, u bona amahashi, nezinevele, nabantu aba ku dhlulayo ngobuningi, ma u nga besabi; ngokuba uJehova uTixo

wako u nawe, o ku kipileyo ezweni lase Egipte.

2 Ku ya kuti, lapo se ni fikile eduze nambi, umpristi a sondele a kulume kubantu,

3 A ti, Yizwa O Israeli, ni sondele namhla ukulwa nezita zenu; Ma zi nga tamba izinhliziyu zenu, ni ngesabi, ni tutumele, netuke ibo.

4 Ngokuba uJehova uTixo wenu u yena o hamba nani, ukunilwela nezita zenu, uku ni sindisa.

5 Izinduna zi ya kukuluma kubantu, zi ti, U mupi umuntu o zakele indhlu entya a ka yahlukanisa na? Ma ka buyele endhlini yake, funa a fe empini, yahlukaniswe omunye umuntu.

6 U mupi o tyale isivini a ka si dhla na? Ma ka buyele endhlini yake funa a fe empini si dhliwa omunye.

7 U mupi umuntu o zekelwayo umfazi, a ka m tati na? ma ka buyele endhlini yake, funa a fe empini, a tatwe enye indoda.

8 Izinduna zi ya kubuze, zi kulume, kubantu zi ti U mupi umuntu o wesabayo onhliziyu e pele amandhla, ma ka buyele endhlini yake funa izinhliziyu zabafo wabo zi pel amandhla njeng e yake.

9 Ku ya kuti lapa izinduna se zi qedile ukukuluma kubantu, zi mise izinduna zempi ukuhola abantu.

10 Ku ya kuti lapo se ni fikile emzini ukulwa nawo, ni memeze ukutula kuwo.

11 Ku ya kuti, uma be ni pendula ngezwi lokutula, be ni vulela, abantuke bonke abapakati ba ya kuba izinceku zenu, ba ni sebenzele.

12 Kodwa uma wala ukwenza ukutula, nawo u ku hlasela, kona u ya kuwu vimbezela.

13 Lapo uJehova uTixo wako e se wu nikele ezandhleni zako, u ya kubulala sonke isilisa kuwo ngenkemba?

14 Kodwa abesifazana, nezingane, nezinkomo, nako konke oku senzini lowo yonke impango yawo u ya ku zitatela kona, u ya kuyidhla impango yezita zako o yi piwe uJehova uTixo wako.

15 Loko u ya ku kwenza kuyo yonke imizi e kude kakulu nawe, e nge siyo imizi ya lezi zizwe.

16 Kodwa emizini ya laba bantu o i nikwa uJehova uTixo wako i be ifa, a wu yi ku sindisa luto ko kupefumlayo.

17 U ya kubaqeda nya; amaHiti, namaJebusi, namaAmori, namaKenani, na-

maPerizi, namaHivi, njengokukuyala kuka Jehova uTixo wako.

18 Ukuze ba nga ni fundise amanyala abo onke a ba wenzileyo ezitixweni zabo; nani none kuJehova uTixo wenu,

19 Lapo ni vinbezela umuzi isikati eside, ni wu hlasela uku wu tata, ma ni nga i gauli imiti yawo ngembazo; ngokuba mhlaumbe ni nga i dhla ni nga i nqumi, ukusebenza ngayo ekuvimbezele ni ngokuba umuti wensimu u ukupila komuntu, uku m siza empini.

20 Kodwa imiti o yaziyo ukuba asiyo imiti yokudhla u ya kuiuquma u i bulale; u ya kwaka izintango ngasemzini o lwa nani, u ze wahluleke.

### ISAHLUKO 21.

UMA ku tolakala umuntu e buleweyo U endhle ezweni o li piwe uJehova uTixo wako ukuba u li fuye, ku ngaziswa ombuleleyo:

2 Ba ya kusuka abakulu ba kini nabahluli, ba linganise emizini o m zungezayo o buleweyo:

3 Ku ya kuti, abakulu bomuzi o seduze naye obuleweyo ba tate isitole, e si nga zanga si sebenze, nesi nga bonanga si botyelwe ejokweni.

4 Abakulu ba lowomuzi ba ya kusehlisela lesa isitole esigodini esi isiwa e si nga bonanga si linywa si hlwanyelwa ba yapule intamo yesitole lapo esigodini.

5 Nabapristi, amadodana ka Levi, ba ya kusondela; ngokuba ibona a ba ketiweyo uJehova uTixo wako ukuba ba kuzwe, ba busise, ngegama lika Jehova; ku ya kunqanyulwa konke ukuxabana nokutyaya ngezwi labo.

6 Izikulu zonke za lowo muzi o seduze nomuntu obuleweyo, zi ya kuhlanzela izandhla zabo pezu kwesitole esi nqunyelwe ikanda esigodini;

7 Ba ya kupendula ba ti, Izandhla zetu a zi li citanga leligazi, namehlo etu a ka li bonanga.

8 Yiba nomusa, O Jehova, kubantu bako abaIsraeli, o ba sindisileyo, u nga li pindiseli igazi eli nge nacala, kubantu bako abaIsraeli. Igazi ba ya kulitetelelwa.

9 Nga lokoke ni ya kususa indaba yegazi eli nge nacala kinina, lapo nenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova.

10 Lapo u punayo ukulwa nezita zako, uJehova uTixo wako e se zi nikele ezandhleni zako, nawe u su zi tumbile,

11 Uma u bona kwabatunjiweyo owe-

sifazana omuhle, u m tanda, ukuba u menze a be umkako.

12 U ya kumleta endhlini yako; a pucule ikanda lake, a nqume izinzipo zake.

13 A zi suse izingubo zake zobugqili, a hlale endhlini yako, a kalele uyise, nonina inyanga yonke; na ngasemva kwa loko u ya kungena kuye, u be indoda yake, naye a be umkako.

14 Ku ya kuti, uma u nga jabuli ngaye, u m dedele a ye lapo e tanda kona; kodwa u nga tengisi ngaye ngemali, u nga m pati kabi, ngokuba u m tobisile.

15 Uma indoda i nabafazi ababili, omunye e tandeka, omunye aliwa, ba m zalele abantwana bobabili otandekayo, nowaliwayo, indodana yezibulo i nge yowaliwayo;

16 Ku ya kuti lapa e zahlukanisela amadodana ake ifa a nalo, a nga i dhlulisa indodana yotandekayo ngapezu kwendodana yowaliwayo o ku uyena wamazibulo ngempela.

17 Kodwa u ya kuvuma indodana yomfazi o waliwayo ukuba i izibulo, ngokuinika izinxenye ezimbili kuko konke a nako; ngokuba yona i ngukuqala kwamadodana ake okufanele izibulo ku ngo kwayo.

18 Uma umuntu e nendodana e shingayo, embi, e nga vunyiyo ukulilalela izwi lika yise, ne lika nina, noko se be i tyayile, i dhlule i nga ba laleli:

19 Uyise nonina ba ya kuibamba, ba yise ezikulwini zomuzi, esangweni lendawo yake.

20 Ba ya kuti ezikulwini zomuzi wake, Lendodana yetu i ya shinga, imbi, a i li laleli izwi letu; i umpangi, nesidakwa.

21 Amadoda onke omuzi wa kubo, a ya ku m gxoba ngamatye a fe; nga loko ni ya kususa lobububi kinina; abaIsraeli bouke ba ya kuzwa, besabe.

22 Uma umuntu enzile isono esi lingenwe ukufa, a be ngo za ku bulawa, ni m panyeke emtini:

23 Isidumbu sake ma si nga hlali bouke ubusuku emtini, kodwa u ya kumgqiba impela ngalolusuku, (ngokuba yena o panyekiweyo u isinengiso kuTixo) ukuba li nga ngcoliswa izwe lakini o li piwe uJehova uTixo wako li be ifa lako.

#### ISAHLUKO 22.

U NGA yi buki inkabi, noma imvu yomfo wenu yeduka, u i shiye; ma u i buyisele kumfo wenu.

2 Uma umfo wenu e ngeko eduze nawe, noma u nga mazi, u ya kuileta endhlini yako, i hlale nawe a ze a i fune umfo wenu, u buyisele kuye.

3 Wenze njalo na ngembongolo yake; na ngingubo zake, nako konke oku lahlekayo kumfo wenu, oku tolileyo wena, u ya kukwenza njalo; u nga zifihli.

4 U nga i buke imbongolo, noma inkabi yomfo wenu i wa endhleleni u shiye, ma u m size impela ekuivuseni.

5 Umfazi ma ka nga ku gqoki okwendoda, nendoda ma i nga ku gqoki o komfazi; ngokuba bouke abenza loko ba isinengiso kuJehova uTixo wako;

6 Uma u bona isidhleke senyoni emtini ngapambi kwako, noma si pansi uma ku kona amazinyane, noma amaqanda, noma inyoni i hlezi pezu kwamazinyane, noma pezu kwamaqanda, u nga i tati inyoni namazinyane.

7 Kodwa ma u i dedele inyoni u tate amazinyane ukuba ku be kuhle kuwe, zande nezinsuku zako.

8 Lapo waka indhlu entya u ya kwenza utango opahleni lwako ukuba u nga vezi igazi pezu kwendhlu yako ngokuwa komuntu kona.

9 U nga hlwanyeli isivini sako ngezimbeu ezimbili funa izitelo zembeu yako o i hlwanyeleyo, nezitelo zesivini zonakale.

10 U nga limi ngenkabi i botyelwe kanye nembongolo.

11 U nga i gqoki ingubo yezinhlobo ngezinhlobo, njeng eyoboya bezimvu i xubene nendwangu yelinini.

12 U zitungele ubulwembu emipetweni emini yengubo yako o i gqokayo.

13 Uma umuntu e tata umfazi, a nge-ne kuye, a m zonde.

14 Enze ukuba ku vele indaba ngaye, a beke negama elibi pezu kwake, a ti, Nga ni tata lomfazi, kwa ti e se ngi ngenile, nga bona ukuti a siyo intombi;

15 Ma ba suke oyise nonina bentombi, ba yise izibonakaliso zokuti u intombi nempela, ezikulwini zomuzi ngapakati kwesango:

16 Uyise wentombi u ya kuti ezikulwini, nga m nika lomuntu umtanami a be umkake, u se m zonda.

17 U se vusa indaba ngaye, e ti, a ngi bu fumananga ubuntombi kumtanako; noko nazi izibonakaliso zobuntombi botanami, ba ya kuyendhlala indwangu ngapambi kwezikulo zomuzi.

18 Izikulu za lowomuzi zi ya kumtata lowo muntu, zi m tyaye,

19 Zi ya kumhlaulisa ngamashekeli esiliva a ikulu, zi wa nike uyise wentombi, ngokuba u veze igama elibi pezu kwentombi yakwa Israeli; i ya kuba umkake; a ka nakuilahla, kuzo zonke izinsuku zake.

20 Kodwa uma lento i qinisile, nezi-bonakaliso zobuntombi bake, a zi bonakali.

21 Ba ya kuikipela intombi ngasemnyango wendhlu ka yise, namadoda omuzi wa kubo a ya ku i gxoba ngamatye, i ze i fe; ngokuba yenzile okubi kwa-Israeli, nga lobo bufebe bayo endhlini ka yise; nga loko u ya kususa okubi kinina.

22 Uma umuntu e tolwa, e lele nomfazi wenye indoda, njalo ba ya kufa bobabili, indoda leyo, kanye nomfazi, nga loko u ya kususa lobububi kwaba-Israeli.

23 Uma intombi i miselwe indoda, nomuntu a i fumane emzini, a lale nayo,

24 Ni ya kubakipela esangweni lalowomuzi; bobabili, ni ba gxobe ngamatye ba ze ba fe; intombi ngokuba ka i kalinga, inganti i semzini; nendoda ngokuba i m tobisile unfazi womakelwane wake; njalo u ya kususa ububi kinina.

25 Kodwa uma umuntu e bona intombi e miselweyo endhle a i bambe ngamandhla a lale nayo, uma ku njalo indoda i ya kufa yodwa:

26 Kodwa ni ngenzi luto entombini ngokuba a i naso isono sokufa, loko ku njengomuntu o vukela umakelwane wake, a m bulale:

27 Ngokuba wa i bone i sendhle, ya kala, a kwa bako umutu o nga yi sizayo.

28 Uma indoda i bona umuntu o intombi, o nga ganile, i m bambe, i lale naye, ba bonwe:

29 Njalo leyondoda e lala naye i ya ku nika uyise wentombi amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu; i be umkake ngokuba u i tobisile, a nge m lahle zonke izinsuku zake.

30 Umuntu a nga m tati umfazi ka yise, a bonakalise ubunquna bake.

### ISAHLUKO 23.

**O**LIMELE emasendeni, noma e nqunyiwe umtondo, ma ka nga ngeni enhlanganweni ka Jehova.

2 Ibasitele, ma li nga ngeni enhla-

nganweni ka Jehova; na kuso isizukulwana sake seshumi ma ka nga ngeni enhlanganweni ka Jehova.

3 umAmmoni noma umMoabi, ma ka nga ngeni enhlanganweni ka Jehova, na kuso isizukulwana sabo seshumi ma ba nga ngeni enhlanganweni ka Jehova na nini.

4 Ngokuba ka ba ni hlangabezanga ngesinkwa na ngamanzi endhleleni, lapo ni pumayo Egipite na ngokuba ba kokela uBalami indodana ka Bcori wase Pethiore waseMesopotami, ukuba a ni qalekise.

5 Noko uJehova uTixo wako a ka m lalelanga uBalami, kodwa uJehova uTixo wako wa pendula isiqalekiso sa ba isibusiso kuwe, ngokuba uJehova uTixo wako wa e ku tanda.

6 U nga funi ukuhlala kahle kwabo nemfuyo yabo, ngezinsuku zonke zako,

7 U nga m zondi umEdomi ngokuba u ngumfo wenu; U nga m zondi o wa sEgipite, ngokuba wa u isihambi ezweni lakubo.

8 Abantwana aba zalwa ibona, ba ya kungena enhlanganweni ka Jehova ngesizukulwana sabo esitatu.

9 Lapo ibandhla li hlasela izita zako, zigeine kuko konke okubi.

10 Uma ku kona kinina umuntu o ngolileyo ngoku m fikela ngobusuku, ma ka pume ekamwini, a nga ngeni ngapakati kwalo.

11 Ko ti, lapo ku fika ubusuku, a zigeze ngamanzi na lapo se li tyonile ilanga a buyele ekamwini.

12 Ma ku be kona indawo ngapandhle kwekanu, lapo u ya kupumela kona.

13 Ma ku be kona isigxa ezikalini zako; ku ti lapo u nyayo, u mbe ngaso, u penduke u kwa sibekela okupumayo kinina;

14 Ngokuba uJehova uTixo wako u ya hamba pakati kwekanu lako, ukukululula, nokuca izita zako panbi kwako; ngako ikamu lako ma li be ngewele; a nga ku boni oku ngeolileyo kuwe, a ku fulatele.

15 U nga i buyiseli kumuniyo ineeke u balekele kuwe:

16 Ma ka hlale kuwe, pakati kwenu, endaweni a ya kuiketa ngapakati kwamasango ako, lapo e tanda kona; u nga m hlupi.

17 Ma ku nga biko umondindwa amadodakazini a kwa Israeli, na semudodaneni a kwa Israeli.

18 U nga i leti inkokelo ka nondindwa, nenani lenja, pakati kwendhlu ka Jehova uTixo wako, ukukokela isifungo; ngokuba kokubili loku ku isinengiso kuJehova uTixo wako.

19 U nga m tyeleki umfo wenu ngokwenzalo; inzalo yemali, nenzalo yokudhla, nenzalo yako konke oku tyelekwa ngenzalo.

20 Umuntu wezizwe u nga m tyeleka ngokwenzalo; kodwa umfo wenu u nga m tyeleki ngokwenzalo; ukuze uJehova uTixo wako a ku busise kuko konke o kwenzayo ezweni o ya kulo ukulufuya.

21 Uma u funga isifungo kuJehova uTixo wako, u nga puti ukukoka, ngokuba uJehova uTixo wako u ya kuku-biza impela kuwe; ku be isono kuwe.

22 Kodwa uma u nga fungelanga luto, a ku yi ku bako sono kuwe.

23 Loko o se ku pumile emlonyeni wako u ya kukugecina ukwenze; noma ku isipo sentaudo, njengokufunga kwako kuJehova uTixo wako, o si qinisile ngomlomo wako.

24 Uma u ngena esivini somakelwane wako, u nga dhla izitelo zaso, wesute u dele; kodwa u nga faki luto esityeni sako.

25 Uma u fika ensimini yombila yomakelwane wako, u nga zika izikwebu ngesandhla sako, kodwa u nga u tinti ngesikela umbila womakelwane wako.

#### ISAHLUKO 24.

**L**APO umuntu e tate umfazi, e se m ganile, ku ti ngasemva a nga tande ki emehlweni ake, ngenxa yokungcola a ku fumana kuye, ma ka m lobele incwadi yesahlukaniso, a m nike yona esandhleni sake, a m kipe endhlini yake.

2 Na lapo e se pumile endhlini yake, a nga hamba, a gane omunye umuntu.

3 Uma leyo ndoda yobubili i m zonda, i m nika incwadi yesahlukaniso esandhleni sake, i m kipa na sendhlini yake; noma leyo ndoda yobubili i fa, e ya i m tatile;

4 Eyokuqala indoda e ya m lahlayo i nga m tati futi a be umkayo ngokuba u se ngecolisiwe ngokuba loku ku isinengiso emehlweni ka Jehova u nga ze wenze ukuba izwe lone o li nikwa uJehova uTixo wako li be ifa lako.

5 Lapo umuntu e tatile umfazi omutya a nga yi empini, a nga be sa nikwa

umsebenzi futi, kodwa a zihlalele ekaya lake umnyaka u be munye, a tokozise umkake a m tatileyo.

6 Umuntu a nga tati etyeni lokugaya, itye eli nga pansi, noma imbokondwe, ukwenza isitembiso ngalo, ngokuba u tate ukupila ku be isitembiso.

7 Uma ku funyanwa umuntu o webayo omunye umfo wabo kubantwana ba-ka Israeli, enze umsebenzi ngaye noma e tengisa ngaye; lelo sela li ya kufa, u suse ububi kinina.

8 Hlakanipani esifweni sobulepero, u bheke kahle, wenze konke o ku fundiswa abapristi nabaLevi; njengokubayaleza kwami, nani ni kwenze.

9 Kumbula a kwenzayo uJehova uTixo wako kuMiriamu endheleni, lapo be se ni pumile Egipte.

10 Lapo u tyeleka umfo wenu uto, u nga ngeni endhlini yake uku landa isitembiso sake.

11 Wo ma kude; umuntu o m tyelekayo, a ku kipele sona.

12 Uma lowo muntu e mpofu, u nga lali naso isitembiso sake.

13 Ma u si buyisele kuye ekutyoneni kwelanga, ukuba a lale ngezingubo zake; a ku busise, ku be ukulunga kuwe ngapambi kuka Jehova uTixo wako.

14 Ma u nga i sindezele inceku empofu ne dingayo, noma e ngumfo wenu, noma e ngowezizwe ezi sezweni lakini pakati kwamasango ako;

15 Ngosuku lwake u m kokele imali yake, ilanga li nga ka tyoni; ngokuba umpofu yena, u beka inhliziyoyake kuko, funa a kale ngawe kuJehova, ku be isono kuwe.

16 Abazali ka ba i ku bulawelwa abantwana, nabantwana ka ba i ku bulawelwa abazali; ilowo muntu u ya kubulawa ngesono sake yedwa.

17 Ma u nga deli umcabango wesihambi nowongenayise; u tate izingubo zomfelokazi zi be isitembiso;

18 Kodwa u kumbule ukuba wa u isibotywa Egipte, uJehova uTixo wako wa ku kulula; ngako ngi ya kuyala ukuba wenze lento.

19 Lapo u vunayo ensimini yako, u kohlwa esinye isitungu ensimini, u nga si landi, ku ya kuba okwesihambi, nongenayise, nomfelokazi; ukuba uJehova uTixo wako a ku busise, kuyo yonke imisebenzi yezandhla zako.

20 Lapo u bulayo umuti wako womgwenya, u nga wa pindi amagatya ka-

bili; ku ya kuba okwesihambi, nongenayise, nomfelokazi.

21 Lapo u vuna izitelo zako zewaini, u nga kotozi; ngokuba ku ya kuba okwesihambi, nongenayise, nomfelokazi,

22 U kumbule ukuba wa u isibotywa ezweni lasEgipite, ngako ngi ya kuyala ukuba u yenze lento.

### ISAHLUKO 25.

**U**MA ku vela ukuxabana kubantu, nabo ba ye ekwahlulelweni ngapambi kwanakosi ukuba ku tetwe icala labo; a ya ku vumela abalungileyo, a lahle ababi.

2 Ko ti uma lowo omubi e fanele ukutyawa, umahluli a m lalise pansi a tyawe kona ebusweni bake, njengecala lake imivimbo eminingi;

3 A tyawe inivimbo e amashumi amane, ku nga dhluli, fuma ku ti uma e i dhlulile leyo, wa m tyaya kakulu umfo wenu a be mubi kuwe.

4 U nga si faki isifonyo enkabini lapo i bula umbila.

5 Uma abazalwane be hlezi ndawonye, omunye wabo e fa e nge namntwana umkake a nga gani ngapandhle, ko wezizwe a ka ngeuwe umfo wabo wendoda yake, a be umfazi wake, enze umsebenzi womfo wabo kuye.

6 Ku ti izibulo la lowo mfazi, li be umudhli wefa lika yise ofileyo, li nga peli igama lake kwaIsraeli.

7 Uma umuntu e nga tandi uku m tata umfazi womfo wabo, lowomfazi ka kupukele kumalunga esangweni, a ti kuwo, umfo wabo wendoda yami u yala ukuvusela umfo wabo igama kwaIsraeli, u yala ukuwenza umsebenzi womfo wabo indoda yami.

8 Konake amalunga a lomuzi wake a ya kumbiza, a kulume naye, uma e qinisele e ti, a ngi tandi uku m tata.

9 Umfazi womfo wabo u ya kufika kuye ngapambi kwamalunga, a kumule isicatulo onyaweni, lwake a m fele ngamate ebusweni, a pendule a ti, ma kwenziwe njalo kumuntu o walayo uku i vusa indhlu yomfo wabo.

10 Igama lake li ya kubizwa kwa Israeli, li tiwe, indhlu yosicatulo sake si kunyulive.

11 Lapo enye indoda i xabana nenyeye, nomfazi wenye e sondela ukulamulela eyayo kuye omtyayayo, a kipe isandhla sake, a m bambe ngamapambili.

12 U si nqume isandhla sake, iso lako ma li nga m kaleli.

13 Ma ku nga biko esikwameni sako amatye okulinganisa amakulu nama-cinyane.

14 U nga bi nazo, endhlini yako, izilinganiso eziningi, esikulu, nesincane.

15 Kodwa ma u be nesilinganiso esilungileyo, nesifaneleyo, nendinganiso elungileyo, nefaneleyo, ukuze izinsuku zako zandiswe ezweni o li nikwe uJehova uTixo wako.

16 Ngokuba bonke a benza loku, nabo bonke a benza okungalungile, ba isine-ngiso kuJehova uTixo wako.

17 Kumbula okwenziwa uAmaleki kuwe endhleleni ekupumeni kwenu Egipite.

18 O wa hlangana nawe endhleleni, wa tyaya abasemva kwako, bonke aba be butakataka emva kwako, lapo se u pela mandhla u katele; e nga mesabi uTixo.

19 Ko ti lapo uJehova uTixo wako e se ku pumuzile kuzo zonke izita zako, ezi ku haqileyo ezweni o li nikwa uJehova, uTixo wako, ukuba u hlale kulo, li be ifa lako u yesule inkumbulo ka Amaleki ngapansi kwezulu u nga ku kohlwa loko.

### ISAHLUKO 26.

**K**O ti lapo se u fikile ezweni o li ni- kwa uJehova uTixo wako li be ifa lako, se wakile u hlale kona.

2 U Tate ulibo lwezitelo zonke zomhlaba, o ya ku zi leta zezwe o li nikwa uJehova uTixo wako, u fake loko eqomeni, u ye ku leyondawo e ya ku ketwa uJehova uTixo wako ukubeka igama lake kuyo.

3 U ya kuya kumpristi o ya kuba kona nga lezozinsuku, u ti kuye, mina ngi ya zibika namuhla kuJehova uTixo wako, ukuba ngi fikile ezweni ela funge-lwe kobaba betu uJehova ukuba wo si nike lona.

4 Umpristi u ya kutata iqoma esandhlini sako, a li beke pansi ngapambi kwelati lika Jehova uTixo wako;

5 U ya kukuluma, u ti, ngapambi ku- ka Jehova uTixo wako, Ubaba wa e ngumuntu wa se Siria, e se za kufa, we- hlala Egipite, wa hlala kona kanye na- ba incozana, wa za wa ba isizwe, esiku- lu, nesi namandhla nesi niingi;

6 AbasEgipite ba si pata kabi, ba si hlupa, ba setwesa ngobugqili obulukuni;

7 Lapo sa kala kuJehova uTixo wa obaba betu, uJehova wa li zwa izwi letu, wa ku bona ukulupeka kwetu, nomsebenzi wetu, nokusindezelwa kwetu;

8 uJehova wa si kipa Egipite ngesandhla esi namandhla, nangomkono oweluliweyo, nangamandhla esabekayo, nangezibonakaliso, nangemimangaliso:

9 U si letile kulendawo, wa si nika lelizwe, izwe e li vama ubisi nezinyosi,

10 Manje, bheka, ngi letile izitelo zokuqala zezwe, o ngi pile zona wena Jehova, u zi beke ngapambi kuka Jehova uTixo wako, u dumise ngapambi kuka Jehova uTixo wako.

11 U jabule ngako konke okuhle o ku nikiweyo uJehova uTixo wako, kanye nendhlu yako, wena, nomLevi; nomhambi o kinina.

12 Lapo u su geinile ekwahlukaniseni okweshumi kwenzuzo yako ngomnyaka wesitatu o ngumnyaka wokwahlukanisa, okweshumi u su ku nikile umLevi, nesihambi, nongenayise, nomfelokazi, ukuba ba dhle ngapakati kwamasango ako, besute;

13 U ti pambi kuka Jehova uTixo wako ngi ku kipile oku ingeweledndhlini yami ngi ku nikile umLevi, nomhambi, nongenayise, nomfelokazi, njegeziyalezo zonke o ngi yaleze ngazo, a ngi zapulanga izimemezelo zako, a ngi zi kolhwanga futi.

14 A ngi ku dhlanga ekulileni kwami a ngi tatanga luto kuko ngokungecolileyo, a ngi nikelanga kuko ngofileyo, ngi lalele izwi lika Jehova uTixo wami, ngenzile ngako konke o ngi yaleze ngako.

15 Bheka pansu u sendaweni yako eyingcwele, ezulwini, u busise abantu bako abaIsraeli, nezwe o si nikileyo lona njengokufunga kwako kobaba betu, izwe eli vama ubisi nezinyosi.

16 Namuhla uJehova uTixo wako, u ku yalezile ukuba wenze lemiteto nemiyalo njalo, i geine u yenze ngayo yonke inhlizyo yako, na ngawo wonke umpemulo wako.

17 U m vumile uJehova namuhla ukuba a be uTixo wako, u hambe ezindhleleni zake, u londa imiteto yake, nezimemezelo zake, nemiyalo yake, u li lalele izwi lake;

18 uJehova u ni ketile namuhla ni be abantu abaketiweyo bake njengokufunga kwake, nokuba ni geine zonke izimemezelo zake;

19 Noku nenza ni be bakulu pezu kwe-

zizwe zonke a zenzileyo, ngodumiso; nangegama, nangokulunga; nokuze ni be abantu abangewele kuJehova uTixo wenu, njengokukuluma kwake.

## ISAHLUKO 27.

UMOSI, nabakulu ba kwa Israeli ba yala abantu ba ti, geinani zonke izimemezelo e si ni yala ngazo namuhla.

2 Ko ti ngosuku lokuwela kwenu iJordani, ni ya ezweni eni nikwa lona uJehova uTixo wenu, ni zi misele amatye amakulu, ni wa nameke ngodaka;

3 Ni lobe kuwona onke amazwi a lomteto, lapo se ni welile, ukuze ni ngene ezweni eni nikwa lona uJehova uTixo wenu, izwe eli vama ubisi nezinyosi; njengoku qinisa kuka Jehova uTixo wa oyihlo benu kini.

4 Ko ti se ni li welile iJordani, ni mise lawa matye, e ngi ni yala ngawo namuhla, entabeni iEbali, ni wa nameke ngodaka.

5 Kona ni ya kumakela uJehova uTixo wenu, ilati lamatye; ni nga wa tinti ngento yensimbi.

6 Ni lake ilati lika Jehova uTixo wenu ngamatye a peleleyo; ni nikele iminikelo yokutya pezu kwawo kuJehova uTixo wenu.

7 Nenze neminikelo yokutula, ni dhle kona, ni jabule pambi kuka Jehova uTixo wenu:

8 Ni lobe kulawo matye onke amagama a lomteto, a bonakale kahle.

9 uMosi nabapristi abaLevi ba kuluma kubo bonke abaIsraeli ba ti, Qapelani, ni lalele, baIsraeli; namuhla se ni ngabantu baka Jehova uTixo wenu.

10 Ma ni li laleleke izwi lika Jehova uTixo wenu, nenze izimemezelo zake, nemiteto yake, e ngi ni yala ngayo namuhla.

11 uMosi wa ba yala abantu ngalolosuku, e ti,

12 Laba ba ya kuma entabeni iGerizimu ukubusisa abantu, lapo se ni li welile iJordani, uSimeoni, noLevi, noJuda, noIsakari, noJosefa, noBenjamini:

13 Laba ba ya kuma pezu kwentaba iEbali uku ba qalekisa, uReubeni, noGadi, noAsheri, noZebuloni, noDani, noNaftali.

14 NabaLevi ba ya kukuluma ngezwi elikulu kuwo onke amadoda a kwa Israeli ba ti,

15 U qalekisiwe umuntu o wenza umfanekiso o baziweyo, no nebilikisi-

weyo, isinengiso kuJehova, umsebenzi wezandhla zomuntu o isisebenzi, a wu beke endaweni esitekileyo. Abantu bonke ba ya kupendula ba ti, Amen.

16 U qalekisiwe o dela uyise nonina. Abantu bonke ba ya ku ti, Amen.

17 U qalekisiwe o susayo inewadi yezwe yomakelwane wake. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

18 U qalekisiwe o wedukisa impumpu-  
te endhleleni. Abantu bonke ba ya ku-  
ti, Amen.

19 U qalekisiwe o pendulayo ukwahlule-  
lala kwesihambi, nongenayise nomfelo-  
kazi. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

20 U qalekisiwe o lala nomka yise; ngokuba wambula ingubo ka yise. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

21 U qalekisiwe o lala nesilwane. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

22 U qalekisiwe o lala nodade wabo, indodakazi ka yise nendodakazi ka nina. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

23 U qalekisiwe o lala nomkwekazi wake. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

24 U qalekisiwe o tyaya umakelwane wake ngase. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

25 U qalekisiwe o wamkela inkokelo ngokubulala umuntu o nge nacala. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

26 U qalekisiwe o nga wa laleliyo onke amazwi a lomteto ukuba a wenze. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

### ISIAHLUKO 28.

**K**O ti, uma u li lalela kahle izwi lika Jehova uTixo wako, uku qapela nokuzenza zonke izimemezelo engi ku yala ngazo namuhla, uJehova uTixo wako u ya ku kupakamisela, pezu kwezizwe zonke ezi semhlabeni;

2 Zonke lezi zibusiso zi ya kuza pezu kwako, zi ku fikele, uma u li lalela izwi lika Jehova uTixo wako.

3 U ya kubusiswa emzini, u ya kubusiswa nasensimini.

4 I ya kubusiswa inzalo yomzimba wako, nezitelo zomhlabati wako nenzalo yezinkomo zako, nokuzala kwezinkomo zako, nemihlambi yezimvu zako.

5 Li ya kubusiswa iqoma lako, nezitya zako zezinkwa.

6 U ya kubusiswa ekungeneni kwako u ya kubusiswa na sekupumeni kwako.

7 uJehova u ya kwenza ukuba izita zako ezikuvukelayo zi bulawe ngapambi

kobuso bako; zi ya kukufikela ngenye indhlela, zi ku balekele ngezindhlela ezi isikombisa.

8 uJehova u ya kumisa isibusiso pezu kwako ezinqolobaneni zako, nakuko konke o beka isandhla sako kukona; u ya kukubusisa na sezweni o li nikwa uJehova uTixo wako.

9 uJehova u ya kukumisa u be isizwe esi ngewele kuye, njengokufunga kwake kuwe, uma u zi gcina izimemezelo zika Jehova uTixo wako, u hambe ngezindhlela zake.

10 Abantu bonke bomhlaba ba ya kubona ukuba u bizwa ngegama lika Jehova; ba kwesabe.

11 uJehova u ya kuyandisa impahla yako, nenzalo yomzimba wako, nenzalo yezinkomo zako, nezitelo zomhlabati wako, ezweni ela fungelwe koyihlo benu uJehova uku ku nika lona.

12 uJehova u ya kukuvulela okuhle kwake, izulu, ukunika umhlabati wako invula ngesikati sayo, nokubusisa wonke umsebenzi wezandhla zako; u ya kutyeleka izizwe eziningi, u nga tyeleki wena.

13 uJehova u ya ku kwenza u be inhloko u ngabi umsila; u be pezulu wedwa, u ngabi pans; uma u zilalela izimemezelo zika Jehova uTixo wako, engi ku yala ngazo namuhla, uku zi qapela nokuzenza:

14 Ma ni nga pambuki na kweli lodwa lamazwi engi ku yala ngawo namuhla ngakwesokuponsa, na ngakwesokohlo, uku landela ezinye izitixo, nokuzikonza.

15 Ko ti, uma u nga li laleli izwi lika Jehova uTixo wako, nokuqapela ukuzenza zonke izimemezelo zake, nemiteto yake engi ku yala ngayo namuhla, zonke lezi ziqalekiso zi ya kwehlela, zi fike pezu kwako.

16 U ya kuqalekiswa emzini, nase-  
ndhleleni.

17 Li ya kuqalekiswa iqoma lako, nezitya zako zezinkwa.

18 I ya kuqalekiswa inzalo yomzimba wako, nezitelo zezwe lako, nenzalo yezinkomo zako, nemihlambi yezimvu zako.

19 U ya kuqalekiswa ekungeneni kwako, na sekupumeni kwako.

20 uJehova u ya kwehlisela kuwe iziqalekiso nezinhlupeko, nokusolwa ku-  
ko konke o beka izandhla zako uku-  
kwenza u ze u qedwe, u fe masinyane



ngenxa yobubi bezenzo zako o ngi delile ngazo.

21 uJehova u ya kwenza izifo, zi namatele kuwe, a ze a ku qede ezweni o ya kulo ukulifuya.

22 uJehova u ya kukutyaya ngokuncipa, na ngomkuhlane, na ngovutayo, na ngokutyisa okukulu, na ngenkamba, na ngomoyawetyisandhlu, na ngokukuta ku ya kukulandela u ze u fe.

23 Izulu eli pezu kwekanda lako li ya kuba itusi nomhlabati o nga pansi kwako, u ya kuba insimbi.

24 uJehova u ya kwenza imvula yezwe lako i be umsi, notuli; ku ya kwehla ku vela ezulwini, u ze u pele.

25 uJehova u ya kwenza ukuba u bulawe ngapambi kwezita zako; u ya kubahlalela ngenye indhlela, u ba balekele ngezindhlela ezi isikombisa; u qubekiselwe, ezizweni zonke zomhlaba.

26 Isidumbu sako si ya kuba inyama kuzo zonke izinyoni zezulu, na sezilwaneni zomhlaba, a zi yi ku xotywa muntu.

27 uJehova u ya kukutyaya ngamatumba a sEgipite, na ngebuba na ngomuna na ngokwekwe, o nge sinde kuko.

28 uJehova u ya kukutyaya ngokuhlanya, na ngobumpumpute, na ngovalo lwenhliziyu.

29 U puputeke emini, njengokupuputeka kwempumpute ebumnyameni, a u yi ku busa ngezindhlela zako; u ya kuhlutywa, wonakale njalo, u nga sindiswa muntu.

30 U ya kuganwa umfazi a lalwe enye indoda, u ya kwaka indhlu u nga hlali kuyo, u ya kuzityalela isivini u nga ziki izitelo zaso.

31 Inkabi yako i ya kubulawa ngapambi kwemehlo ako, u nga i dhli; imbonolo yako u ya kuyapuewa ebusweni bako, i nga bi sa buyiselwa kuwe; izimvu zako zi ya kunikwa izita zako, a nga biko ozibuyisayo.

32 Amadodana namadodakazi ako a ya ku nikwa abanye abantu, namehlo ako a bheke, a hluleke, ngokuwafisa lonke usuku; ku nga biko amandhla esandhleni sako.

33 Izitelo zezwe lako, nomsebenzi wouke wako, u ya kudhliwa isizwe o nga saziyo; u ya kuhlutywa u cobozwe njalo:

34 U ze u be uhlanya ngenxa yokubonayo ngamehlo ako.

35 uJehova u ya kukutyaya emado-

lweni nasemilenzeni ngesilonda esibi esi nge nakupoliswa, ku suke ngapansi konyawo lwako ku ze ku fike okakayini lwako.

36 uJehova u ya kukuleta kanye nenkosi yako, o ya ku i misa pezu kwako esizweni o nga saziyo, nesi ngaziwanga oyihlo benu, lapo u ya kukouza ezinye izitixu, imiti, namatye.

37 U ya kuba isimangaliso, nesiga, negama lokuntela ezizweni zonke lapa uJehova e ya ku kuyisa kona.

38 U ya kuhlwanyela imbeu euingi ensimini, kodwa u vune incosana; ngokuba ku ya kudhliwa isikonyana.

39 U ya kutyala izivini, u zi lungise kodwa u nga li puzi iwaini, u nga ziki izinhlamvu; ngokuba zi ya kudhliwa umswenya.

40 U ya kuba nemigwenya emazweni onke ako kodwa a u yi kuzigeoba ngamafuta ayo ngokuba imigwenya yako i vutuluka.

41 U ya kuzala amadodana namadodakazi, kodwa a u yi ku jabula ngawo; ngokuba a ya kutunjwa.

42 Youke imiti, nezitelo zezwe lako, zi ya kuqedwa isikonyana.

43 Owezizwe opakati kwako u ya kukula a be pezu kwako kakulu, wena wehlele pansi kakulu.

44 U ya kukutyeleka wena u nga m tyeleki, u ya kuba ikauda, wena u be umсила.

45 Futi zonke leziziqalekiso zi ya kukwehlela zi ku landela, zi ku fikele u ze u pele ngokuba a u lalaelanga izwi lika Jehova uTixo wako ukugeina izimemezelo zake, nemiteto yake a ku yala ngayo.

46 Zi ya kuba isibonakaliso, nesimangaliso, pezu kwako na pezu kwenzalo yako njalo.

47 Ngokuba a u m konzanga uJehova uTixo wako ngokujabula, nangokutanda kweuhliziyu, ngobuningi bezinto zonke;

48 Ngako u ya kukonza izita zako a ya ku ku tumela zona uJehova, ngokulamba, na ngokoma, na ngobuze bomzimba, na ngokudinga konke; u ya kubeka ijokwe lensimbi entanyeni yako, a ze a ku qede nya.

49 uJehova u ya kukuletela isizwe saku, sasekugeineni komhlaba, njengokundiza kokozu; nolimi lwaso a u yi ku lu zwa.

50 Isizwe esi nolaka, e si nga yi ku-

kuakatalela omdala, nesi nga yi ku siza nomutya ;

51 Si ya kuidhla inzalo yezinkomo zako, nezitelo zezwe lako, u ze u pele ; a si yi kukushiyela umbila, newaini, namafuta, nenzalo yezinkomo zako, nemihlambi yezimvu zako, si ze si ku qede nya.

52 Si ya kukuvimbezela emasangweni onke ako zi ze zi we izingange zako ezinqinileyo, ezipakemeyo, o wetemba zona, kulo lonke izwe lako, si ya kukuvimbezela emasangweni onke ako, kulo lonke izwe lako, o li nikwe Jehova uTixo wako.

53 U ya kudhla inzalo yomzimba wako, inyama yamadodana ako ne yamadodakazi ako, o wa piwe uJehova uTixo wako, ekulweni na sekuhlupekeni, o ya ku hlutywa ngako izita zako :

54 Umuntu wakini obutakataka no nge namandhla, iso lake li ya kuba libi kumfo wabo, na kumfazi wenhliziyoyako na kubantwana bake abaseleyo a ya ku ba shiya :

55 A nga ba niki inyama yabantwana bake, a ba dhlayo ngokuba a ka salelwanga luto empini, nasekuhlupekeni o hlutywa ngako izita zako emasangweni onke ako.

56 Umfazi wakini obutakataka o nge namandhla, o nge beke unyawo lwake pansi, ngobunene nangobutakataka bake, iso lake li ya kuba libi endodeni yenhliziyoyake, na sendodaneni yake, na sendodakazini yake.

57 Na senganeni yake e puma emkatinini wezinyawo zake, nabantwana bake a ya ku ba zala ; ngokuba u ya kubadhla bona ekudingeni okukulu kwake, ngasese, empini nasekuhlupekeni, o ya ku hlutywa ngako izita zako ngapakati kwamasango ako.

58 Uma u nga qapeli ukuwenza onke amazwi a lomteto, a lotyiweyo ku lenewadi, ukulesabe leligama eli ingewele ne lesabekayo, uJEHOVA uTIXO WAKO ;

59 Konake uJehova u ya kwenza izinhlupeko zako zesabeke, nezinhlupeko zenzalo yako, izinhlupeko ezinkulu, nezihlala isikati eside, nezifo ezibuhlungu, ezi hlala isikati eside.

60 U ya ku kweliselisa izifo zonke zaseEgipite, o wa u zesaba ; zi ya kunamatela kuwe ;

61 Nezifo zonke, nezinhlupeko zonke, ezi nga lotyiwe encwadini ya lomteto,

uJehova u ya ku zehlisela pezu kwako, u ze u pele.

62 Ni ya kusala ni be incosana, inganti na ni njengezinkanyezi zezulu ngobuningi ; ngokuba a ni vumanga ukulilalela izwi lika Jehova uTixo wenu.

63 Ko ti, njenga loku uJehova wa e jabula ngani, uku ni siza, noku nandisa ; njalo uJehova u ya kujabula ngokunibulala, nokunenza ize ; ni ya kunqunywa kulo izwe e ni ya kulo ukulifuya.

64 uJehova u ya kunihlakaza kubantu bonke ku suke ngalapa komhlaba ku ze ku fike ngapesheya kwawo ; na lapo ni ya kukonza ezinye izitixo, e be ni nga zazi ne be zi ngaziwa oyihlo benu, imiti, namatye,

65 Ku lezizizwe a u yi kutola ukupumula, nesitende sonyawo lwako a si yikupumula ; kodwa uJehova u ya kukunika kona inhliziyoye e tutumelayo, noku fipala kwamehlo, nokudabuka kwenhliziyoye ;

66 Ukupila kwako ku ya kuba sengozini ngapambi kwako u ya kwesaba imini nobusuku, nokupila kwako u nga be u sa kwetemba ukupila kwako.

67 Kusasa u ya kuti sengati a ku i kusihlwa, nakusihlwa u ti, sengati a ku i kusasa ngokwesaba kwenhliziyoyako o wesaba ngako na ngokubona kwamehlo ako o ku bonayo.

68 uJehova u ya kukubuyisela Egipite ngemikumbi, ngendhlela e nga ku tyela ngayo, a u sa yi ku i bona futi ; kona ni ya kutengiswa eziteni zenu ni be izigqili nezigqilikazi a ni yi ku tengwa muntu.

#### ISAHLUKO 29.

**L**AWA a ngamazwi esivumelwano, uJehova a wa yaleza kuMosi ukuwenza nabantwana baka Israeli ezweni lase Moabi, ngapandhle kwesivumelwano, a senzayo nabo eHorebe.

2 uMosi wa biza abaisraeli bonke, wa ti kubona, Ni ku bonile konke okwenziwa uJehova ngapambi kwamehlo enu ezweni lasEgipite kuFaro, na kuzo zonke izinceku zake, na kulo lonke izwe lake,

3 Izilingo ezinkulu eza bonwa amehlo enu, izibonakaliso, na lezo zimangaliso ezinkulu :

4 Noko uJehova a ka ni nikanga inhliziyoye yokuqonda, namehlo okubona, nezindhlebe zokuzwa, ku ze ku be namuhla,

5 Ngi ni holile iminyaka e amashumi amane chlane ; izingubo zenu a zi guga-

nga, nezicatulo zenu a zi guganga, ezi-nyaweni zenu.

6 A ni si dhlanga izinkwa, a ni li puzanga iwaini utywala obu namandhla, ukuze nazi, ukuba ngi nguJehova uTixo wenu.

7 Ekufikeni kweni kulendawo, uSihoni inkosi yase Heshbone, noHogi inkosi yase Bashani, ba si hlasela ngempi, sa ba hlula.

8 Sa tata izwe labo, sa li nika amaRubeni la ba ifa lawo namaGadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manasa.

9 Londanike amazwi a lesi sivumelwano, ni wenze, ni ze ni be nenhlanhla kuko konke eni kwezayo.

10 Namuhla ni mi nonke ngapambi kuka Jehova uTixo wenu; izinduna zenu imindeni yenu, abakulu benu, namakosi enu, nabantu bonke ba kwa Israeli,

11 Izingane zenu, nomkenu, nowezizwe o pakati kwekamu lenu, ku suke kumbazi wemiti yenu, ku ze ku fike kumki wamanzi enu;

12 Ukuba ni ngene esivumelwaneni noJehova uTixo wenu, na sesifungweni sake, a senzayo uJehova uTixo wenu kinina namuhla.

13 Ukuba a ni mise namuhla ni be abantu bake, nokuba a be uTixo wenu, njengokutyo kwake kinina, na njengokufunga kwake koyihlo benu, kuAbrahama, kuIsaka, na kuJakobe.

14 Lesi sivumelwano, na lesi sifungo a ngi senzi kinina nodwa;

15 Ngi senza na kuyena omiyo nati lapa namuhla ngapambi kuka Jehova uTixo wetu, na kuye ongeko lapa nati namuhla.

16 (Ngokuba ni ya kwazi ukuhlala kwetu ezweni e sEgipite; nokudabula kwetu ezizweni e na zi dhlulayo:

17 Ni zi bonile ububi bazo, nezitombe zazo, imiti, namatye, isiliva, negolide, okwa ku kuzona.)

18 Funa ku be kona kinina indoda, noma umfazi, noma indhlu noma isizwe, inhliziyi yaso e hlubukayo namuhla kuJehova uTixo wetu, ukubamba nokukonza izitixo za lezizwe; funa ku be kona kinina impande e tela inyongo, nomhloniyane.

19 Ku ti lapo ezwayo amazwi a lokugalekisa a zituse enhliziyweni yake, a ti, Ngi ya kuba nokutula, noko ngi hamba ngemicabango yenhliziyi yami, ukwelekela ukudakwa ekomeni.

20 uJehova a ka yi ku ni tetelela, ula-

ka luka Jehova, nomona wake, lu ya kuvuta kulowo muntu, neziqaleqiso zonke ezi lotyiweyo kulenewadi zi ya kubaba pezu kwake, uJehova u ya kulesula igama lake ngapansi kwezulu.

21 uJehova u ya kumahlukanisela ububi kuzo zonke izizwe zakwa Israeli, njengazo zonke iziqalekiso zesivumelwano ezi lotyiweyo kulenewadi yomteto:

22 Ukuba isizukulwana esi zayo sabantwana benu esi ya kuvela emva kwenu, nowesizwe o ya kuvela ezweni elikude, ba ti lapo be bona izinhlupeko za lelozwe, nezifo a zi bekayo uJehova pezu kwalo;

23 Izwe lonke la kona li isolufa, nosaoti, nokutyisa; ka li hlwanyeliwe, ka li teli, notyani ka bu mili kona, njengokuwa kweSodoma, neGomora, neAdma, neZeboni okwa wiswa uJehova ngolaka lwake, na ngokutukutela kwake.

24 Zonke izizwe zi ya kuti, u kwenzeleli loku uJehova ku lelizwe na? ku ti ni ukuvuta kwa lolulaka olukulu na?

25 Abantu ba ya kuti, Ngokuba ba si delile isivumelwano sika Jehova uTixo wa oyise, a senza kubu, ekubakipeni kwake ezweni la sEgipite.

26 Ngokuba ba hamba ba konza ezinye izitixo, ba zi dumisa, izitixo a ba be nga zazi, na nga ba nikanga zona.

27 Ukutukutela kuka Jehova kwa li vukela lelizwe uku lehlisela zonke iziqalekiso ezi lotyiweyo kulenewadi,

28 uJehova wa ba sipula ezweni labo ngolaka, na ngokutukutela, na ngokucunula okukulu, wa ba ponsa kwelinye izwe, njenga namuhla.

29 Okufihliweyo o kuka Jehova uTixo wetu, kodwa okubonakalisiweyo okwetu nabantwana betu njalo, ukuba si wenza onke amazwi a lomteto.

#### ISAHLUKO 30.

**K**O ti, lapo se ni fikelwe ilezizinto zonke, isibusiso, nesiqalekiso engi zi bekileyo ngapambi kwako, u ya kuzikumbula ezizweni zonke lapo u xotyelwe kona uJehova uTixo wako.

2 U buyele kuJehova uTixo wako, u li lalele izwi lake njengako konke engi ku yala ngako namuhla, wena, nabantwana bako, ngayo yonke inhliziyi yako, na ngawo wonke umpefumulo wako.

3 Konake uJehova uTixo wako u ya kupendula ubugqili bako, a ku haukele,

a buye a ku bute ezizweni zonke, lapo ni hlakazelwe kona uJehova uTixo wako.

4 Uma e kona kinina o xotyelwe kude kakulu nezwe, na lapo uJehova uTixo wako u ya kukubuta, na kona lapo u ya kukutata.

5 uJehova uTixo wako u ya kukubuyisela ezweni e la li fuyiwe oyihlo benu, u li fuye; u ya kukusiza, akwandise ngapezu kwa oyihlo.

6 uJehova uTixo wako u ya kusoka inhliziyo yako, nenuhliziyo yenzalo yako uku m tanda uJehova uTixo wako, ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, ukuba u pile.

7 uJehova uTixo wako u ya kubeka zouke lezi ziqalekiso pezu kwezita zako, na kwaba ku zodayo, a ba be ku hlupa.

8 U ya kubuya, u li lalele izwi lika Jehova, u zenze zonke izimemezelo zake engi ku yala ngazo namuhla.

9 uJehova uTixo wako u ya kukwandisa emisebenzini yonke yezandhla zako, nenzalo yomzimba wako na senzawlweni yezinkomo zako, nasezitelweni zezwe lako, ukuba ku lunge; ngokuba uJehova u ya kujabula ngawe ngokuhle, njengokuba wa jabula nga oyihlo.

10 Uma u ya li lalela izwi lika Jehova uTixo wako, uku zigeina izimemezelo zake, nemiteto yake elotyiweyo kulenewadi yomteto, uma u pendukela kuJehova uTixo wako, ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako.

11 Ngokuba lesi simemezelo e ngi ku yala ngaso namuhla, a si mangaleki a siko kude.

12 A siko ezulwini, ukuba u ti, Ubani o ya ku si kupukela ezulwini, a si letele sona, ukuba si si zwe, si senze?

13 A siko ngapesheya kolwandhle, ukuba u ti, Ubani o ya ku si welela ulwandhle, a si letele sona, si si zwe, si senze?

14 Kodwa izwi li seduze nawe, emlo nyeni wako, nasenhliziyweni yako, ukuze u lenze.

15 Bheka, ngi bekile ngapambi kwako namuhla, ukupila, nokulunga, ukufa, nobubi;

16 Ngaloko ngi ya kuyala namuhla, uku m tanda uJehova uTixo wako, ukuhamba ngezindhlela zake, nokugcina izimemezelo zake, nemiteto yake, nokwahlulela kwake, ukuze u pile wande; uJehova uTixo u ya kukubusisa ezweni oya kulo ukulifuya.

17 Kodwa uma inhliziyo yako i pe-

nduka, ukuba u ngezwa, u donswe abanye, u konze ezinye izitixo, u zi dunise;

18 Ngi ya kutyelisisa namuhla, ukuba u ya kububa impela, nokuba a zi yi kwanda izinsuku zako ezweni, o wela iJordani ukuya kulifuya;

19 Ngi ya biza izulu nomhlaba uku ngi fakazela namuhla ngawe, ukuba ngi bekile ngapambi kwako ukupila, nokububa, isibusiso, nesiqalekiso: ngako keta ukupila, ukuba wena, nenzalo yako, ni pile.

20 Ukuba u m tande uJehova uTixo wako nokuba u li lalele izwi lake, nokuba u namatele kuye, ngokuba yena u ngukupila kwako, nobude bezinsuku zako, ukuze u hlale ezweni ela fungelwe koyihlo benu uJehova, uAbrahama, noIsaka, noJakobe, ukubapa lona.

### ISAHLUKO 31.

UMOSI wa hamba, wa kuluma lawa mazwi kwabaIsraeli bonke.

2 Wa ti kubo Namuhla iminyaka yami yokuzalwa i ikulu namashumi amabili; a ngi se nako ukuba ngi pume, ngi ngene uJehova u tyilo kumi ukuti, A u yi ku li wela iJordani;

3 uJehova uTixo wako, u yena o ya ku wela ngapambi kwako, u ya kuzibulala lezi zizwe ngapambi kwako, u zi fuye; uJoshua uyena o ya ku wela ngapambi kwako, njengokutyo kuka Jehova.

4 uJehova u ya kwenza kubo njengokwenza kwake kuSihoni, na kuHogi, amakosi amaAmori na kulo izwe labo, a ba bulalayo.

5 uJehova u ya kubanikela, ngapambi kobuso benu, ukuba nenze kubo nje ngayo imiteto yonke e ngi ni yala ngayo.

6 Qinani, ni me isibindi, ni ngesabi, ni nga tutumeli pambi kwabo, ngokuba uJehova uTixo wenu, uyena o hamba nawe, a ka yi ku ku dela, a ku shiye.

7 uMosi wa m biza uJoshua, wa ti kuyena emehlweni aba kwaIsraeli bonke, Yiba namandhla u me isibindi; ngokuba u ya kuhamba na lababantu u ye ezweni ela fungelwa koyise babo uJehova uku ba nika lona; wena u ya kwenze ukuba ba li fuye.

8 uJehova, uyena ohamba ngapambi kwako; u ya kuba nawe, a ka yi kukudela, a ka yi kukushiya; u ngesabi, u be novalo.

9 uMosi wa loba lomteto, wa u nika abapristi amadodana ka Levi, a ba be twele umpongolo wesivumelwano sika Jehova, nezikulu zonke zakwa Israeli.

10 uMosi wa ba yala, wa ti, ekupeleni kweminyaka e isikombisa njalo, ngesikati somhlangano womnyaka wokukulwa, ngokudhla kwamadokodo.

11 Lapo abaIsraeli bonke be fikile ukubonakala ngapambi kuka Jehova uTixo wabo, endaweni a ya ku i keta yena, u ya kufunda lomteto ngapambi kwabaIsraeli bonke, ezindhlebeni zabo.

12 Butela abantu ndawonye amadoda, nabafazi, nabantwana, nowezizwe o pakati kwamasango ako, ukuba be zwe, nokuba, ba mesabe uJehova uTixo wako, ba qapele ukuwenza onke amazwi a lomteto :

13 Nokuba abantwana babo, a ba ngaziyo luto, bezwe, ba funde, uku mesaba uJehova uTixo wenu, ngokupila konke kwenu ezweni e ni ya kulo ngapesheya kweJordan ukulifuya.

14 uJehova wa ti kuMosi, Bheka, se zi sondele izinsuku zokufa kwako; biza uJoshua, ni zibonakalise endhlini yomhlangano, ukuba ngi m yale; uMosi, noJoshua ba hamba, ba zibonakalisa endhlini yomhlangano.

15 uJehova wa bonakala endhlini ensikeni yefu; insika yefu yema nga semnyango wendhlu.

16 uJehova wa ti kuMosi, Bheka, u ya kulala noyihlo; lababantu ba ya kusaha ba ye ezitixweni zabangaziwayo ezweni, a ba ya kulo ukuhlala nabo, ba ngi shiye ba sapule isivumelwano engi senzileyo nabo.

17 Konake ulaka lwami lu ya<sup>n</sup>kubavukela nga lolosuku, ngi ya kubashiya, ngi fihle ubuso bami kubo, ba ya kudhliwa ububi nezinhlupeko eziningi zi ya ku behlela ukuze ba ti nga lolo suku, Imbala a si fikelwa i lobububi ngokuba uTixo wetu e ngeko kitina na?

18 Ngi ya kubufihla impela ubuso bami nga lolosuku, ngenxa yobubi bonke a ba za kubenza, ngokuba be pendukela kwezinye izitixo.

19 Manjeke zilobeleni lesisihlabelelo, ni si fundise abantwana baka Israeli; ni si beke emiloniyeni yabo, ukuba lesi sihlabelelo si be ufakazi wami ngabantwana baka Israeli.

20 Ngokuba lapo se ngi ba zisile ezweni e nga li fungela koyise, eli vama

ubisi nezinyosi; ba dhle basute, ba kulupale; konake ba ya kupendukela kwezinye izitixo, ba zi konze, ba ngi tukutalise, ba pule isivumelwano sami.

21 Ko ti, lapo ububi, nezinhlupeko eziningi se zi behlele, lesi sihlabelelo si fakaze ngabo, ngokuba a si yi kukohleke emiloniyeni yenzalo yabo; ngokuba ngi ya yazi imicabango a ba yenzayo, manje, ngi nga ka ba yisi ezweni enga li fungela kubo.

22 Njalo uMosi wa si loba lesisihlabelelo ngalolosuku, wa si fundisa abantwana baka Israeli.

23 Wa m nika uJoshua indodana ka Nuni isiyalezo, wa ti, Yiba namandhla, u me isibindi; ngokuba u ya kubangenisa abantwana baka Israeli ezweni engi li fungele kubo; ngi ya kuba nawe.

24 Kwa ti lapo uMosi e se qedile ukuloba amazwi a lomteto enwadini, a ze a pela.

25 uMosi wa yala abaLevi aba be twele umpongolo wesivumelwano sika Jehova, wa ti,

26 Tatani lenewadi yomteto, ni i beke ngapakati eceleni kompongolo wesivumelwano sika Jehova uTixo wenu, i ze i be kona i be ufakazi ngani.

27 Ngokuba ngi ya kwazi ukungalaleli kwako, nentamo yako elukuni; bheka noma ngi se kona nani namuhla ngi pilile, na ni meyisa uJehova, ku ya kuba kakulu kangakanani emva kokufa kwami na?

28 Ngi butele zonke izikulu zezizwe zenu, nezinduna zenu, ukuba ngi kulume lawamazwi ezindhlebeni zazo, ngi bize izulu nomhlaba uku wa fakazela.

29 Ngokuba ngi yazi ukuti emva kokufa kwami, ni ya kuzingcolisa impela, ni i shiye indhlela engi ni yala ngayo ububi bu ni fikele ngezinsuku zenu zokugeina, ngokuba ni ya kwenza okubi emehlweni ka Jehova uku m vusela ulaka ngenxa yemisebenzi yezandhla zenu.

30 uMosi wa kuluma ezindhlebeni zebandhla lonke la kwaIsraeli amazwi a lesi sihlabelelo, a ze a pela.

### ISAHLUKO 32.

**B**EKANI indhlebe, nina mazulu ngi ya kukuluma; u zwe nawe mhlaba, amazwi omlomo wami.

2 Indaba yami i ya kuconsa njengemvula, nenkulomo yami i ya kuhlala nje ngombete, njengomkemezelo emitini emincane na njengezihlambi otyanini.

3 Ngokuba ngi ya kulibonga igama lika Jehova; nikani ubukulu kuTixo wetu.

4 U itye, umsebenzi wake u pelele, ngokuba zonke izindhlela zake zi lungile uTixo weqiniso o nge naso isono, u lungile u pelele yena.

5 Ba zonile, ibala labo a silo ibala labantwana bake; ba isizukulwaua esipambeneyo nesisontekileyo.

6 Ni pindisa uJehova ka nje na? nina bantu aba iziula naba nga qondile? a siye uyise wenu o ni tengileyo na? a ka nenzanga, wa ni misa na?

7 Kumbula izinsuku za kuqala, kumbula iminyaka yemindeni eminingi; buzani kuyihlo, u ya kunikombisa, nezikulu zenu, zi ya kumityela.

8 Lapo O pezu konke e dabulela izizwe ifa lazo, lapo a hlukanisa amadodana ka Adamu, wa misa imikaulo yabantu njengobuningi babantwana baka Israeli.

9 Ngokuba inxenye ka Jehova i ngabautu bake; uJakobe u isizwe sefa lake.

10 Wa m tola ezweni eli ubala, na sehlane eli eze elesabekayo; wa m hola, na m fundisa, wa m gcina njengendhlamvu yeso lake.

11 Njengokozi lu hlakaza isidhleke salo, lu hlale pezu kwamazinyawe alo, lwe-nabise amapiko alo, lu wa tate, lu wa twale emapikweni alo.

12 Wa holwa uJehova yedwa, a kwa bako uTixo o ngaziwayo kuye.

13 Wa m kwelisa ezindaweni ezipakemeyo zomhlaba, ukuba a dhle izitelo zamasi-mu wa m muncisa izinyosi etyeni, namafuta etyeni leusimbi:

14 Amafuta ezinkomo, nobisi lwezimvu, namafuta amaewane, nezimpongo zohlobo lwa seBashani, nezimbuzi kanye namafuta ka kolweni omuhle, wa puza megazi elipeleleyo lezinhlamvu zevini.

15 Kodwa uJeshuruni wa kulupala wa lkaba; u su kulupele, u su zimukile, u sibekelwe amafuta; konake wa m lahla uJehova o wa menzayo netye lokupila kwake la ba ize kuye.

16 Ba m vusela umona ngeztixo ezi ngaziwayo, na ngezinengiso ba vusa ulaka lwake.

17 Ba hlabela amademoni, a nge siye uTixo; ezitixweni a ba be nga zazi, ezitixweni ezitya, ezi sandu ku vela, e za zi ngesatywa oyihlo benu.

18 A u sa cabangi ngetye ela kwenzayo, u kohliwe uTixo o wa ku bumbayo;

19 Lapo uJehova wa ku bona loku, wa

ku zonda ngenxa yokucunula kwamadodana ake, namadodakazi ake.

20 Wa ti, ngi ya kuba fihlela ubuso bami, ngi ya kubona ukugeina kwabo; ngokuba ba isizukulwana esipambukayo, abantwana a ba nge nayo iinkolo.

21 Ba ngi vusele umona ngoku nge siko uTixo; ba ngi vusele ulaka ngeze labo; ngi ya kubenza ba be nomona ngaba nge sibo abantu; ngi ya kuvusa ulaka lwabo ngesizwe esi isilula.

22 Ngokuba u penjiwe umlilo olakeni lwami, u ya kutya esihogweni, u qede umhlaba ngokwanda kwawo, u tyise iziqu zezintaba.

23 Ng i ya kubutela izinhlupeko pezu kwabo; ngi qedele imicibityelo yami pezu kwabo.

24 Ba ya kutyiswa indhlala, ba qedwe ukufudumala okuvutayo, na ngokufa okulukuni, ngi ya kutuma futi amazinyo ezilwane kubo, nesihlungu sezinyoka zotuli.

25 Inkemba ngapandhle, nokwesaba pakati, i ya kuibulala insizwa kanye nentombi, noncelayo kanye nempunga.

26 Nga ti, ngi ya kubacita impela nokubacita, ngenze ukukunjulwa kwabo ku pele ebantwini.

27 Uma be ngi nge sabi intukutelo yesita, funa abapambene nabo benze kabi, ba ti, isandhla setu esi pakemeyo a siye uJehova o wenzileyo konke loku;

28 Ngokuba ba isizwe esi nge nayo ingqondo, akuko ukuhlakanipa kubo.

29 Kungati nga be hlakanipile, ba kuzwe loku, ukuba ba cabange ngokugeina kwabo,

30 Kona ku ngati e munye a xotye inkulungwane, nababili ba xotye izinkulungwane ezi ishumi, ku ngokuba itye labo li tengisile ngabo noJehova e ba delile?

31 Ngokuba itye labo a li njengetye letu, nezita zetu zi abahluli.

32 Ngokuba isivini sabo esa seSodomu nesamasimu a seGomora: izinhlamvu zabo zi izinhlamvu zenyongo, nezihleke zabo zi munyu:

33 Isivini sabo si isihlungu sengwenya nenyongo e babayo yebululu.

34 Loku a ku hlalele mina, ku valelwe ezindhlini zengebo yami na?

35 Okwami ukupindisela, nokuyuzza, unyawo lwabo lu ya kutyelela ngesikati salo; ngokuba usuku lokuhlupeka lwa-bo se lu fikile, izinto ezi ya kubelilela zi tyetye.

36 Ngokuba uJehova u ya kwahlula abantu bake, a dabukele izinceku zake, lapo e bona amandhla abo e se pelile, kungeko namunye wabo o valelweyo, no shiyiweyo.

37 U ya kuti, Zipi izitixo zabo na? itye a ba be li temba na?

38 A ba bedhla ukunona kweminikelo yabo, be puza iwaini leminikelo yabo yokupuza? Ma ba suke ba ni size, ba be isivikelo senu.

39 Bheka manje ukuba imina, mina impela ngi nguye, akako omunye utixo ngapandhle kwami; ngi ya bulala, ngi pilise, ngi ya limaza, ngi polise, akako namunye o nga kululayo esandhleni sami.

40 Ngokuba ngi pakamisela isandhla sami ezulwini, ngi ti, ngi pilile ungunapakade.

41 Uma ngi ya i lola inkemba yami ekanyayo, nesandhla sami si bambelela ukwahlula ngi ya kuzihlupa izita zami, ngi pindise kwaba ngi zodayo.

42 Ngi ya kwenza imicibityelo yami i dakwe igazi, inkemba yami i ya kudhla inyama negazi lababuleweyo, nelabatu-njwayo, ekuqaleni kokupindisela eziteni.

43 Jabulani, zizwe, nina bantu bake; ngokuba u ya kulipindisela igazi lezinckeku zake, a hluphe izita zake, a be nomusa ezweni lake, na kubantu bake.

44 uMosi weza wa kuluma onke amazwi a lesisihlabelelo ezindhlebeni zabantu, yena, noJoshua indodana ka Nuni.

45 uMosi wa gcina ukukuluma onke lawa mazwi, kubo bonke abakwa Israeli.

46 Wa ti kubona, Qiniselani izinhliziyu zenu emazwini onke engi wa tyoyo kini namuhla, eni ya ku wa yaleza abantwana benu ukuba ba wenze, onke amazwi a lomteto.

47 Ngokuba a ku siyo into e ize kinina; ngokuba ku ukupila kwenu; ngalelizwi ni ya kuzandisa izinsuku zenu ezweni, eni ya ku li fuya pesheya kwe-Jordani.

48 uJehova wa kuluma kuMosi ngalolosuku, wa ti,

49 Kupuka u ye kulentaba Abarimu, iNebo, eli sezweni lase Moabi, eli nga se-Jeriko; u bake izwe lase Kenani, e ngi li nika abantwana baka Israeli ukuba ba li fuye;

50 U fe ku leyontaba o i kupukayo,

welekelwe kubantu ba kini njengokuba uAroni umfo wenu wa fa entabeni iHori, welekwa kubantu ba kubo.

51 Ngokuba wa ngona kubantwana baka Israeli emanzini a seMeriba-Kadeshi, ehlane laseZini; ngokuba a ni ngahlukanisanga pakati kwabantwana baka Israeli.

52 U ya kulibona izwe ngapambi kwako; kodwa a u yi kuya kona wena, ezweni engi li nika abantwana baka Israeli.

### ISAHLUKO 33.

**I** LESI isibusiso, a ba busisa ngaso abantwana baka Israeli, uMosi umuntu ka Tixo, e nga ka fi.

2 Wa ti, uJehova wa vela eSinai, wa puma eSira wa ya kubona: wa kanya entabeni iParani, wa fika nabangcwele aba izinkulungwane ezi ishumi: ngasesandhleni sake sokuponsa kwa puma umteto womlilo wabo.

3 Yebo, wa ba tanda abantu; bonke abangcwele bake ba sesandhleni sako; ba hlala ezinyaweni zako; bonke ba ya kwamkela amazwi ako.

4 uMosi wa si yaleza umteto, ifa lebandhla lika Jakobe.

5 Wa e inkosi eJeshuruni, lapo izinhloko zabantu, nezizwe za kwa Israeli za zi butene.

6 Ma ka pile uRubeni a nga fi; ba ngabi incosana abantu bake.

7 Lesi isibusiso sika Juda wa ti, yizwa Jehova, izwi lika Juda u m lete kubantu bake; izandhla zake ma zimanele; u m size eziteni zake.

8 NgoLevi, wa ti, iTumimi, neUrimi lako ma li be no ingeweke wako, o wa m linga eMassa, no walwa naye emanzini a seMeriba:

9 O wa ti kuyise nonina, a ngi m bona nga; a ka vumanga abafu wabo, nabantwana bake ka bazanga; ngokuba bona ba li qapela izwi lako, ba gcina isime-mezele sako.

10 Ba ya kufundisa uJakobe ukulunga kwako, nabakwaIsraeli umteto wako; ba ya kubeka impepo ngapambi kwako, nonnikelo otyisiweyo opeleleyo pezu kwelati lako.

11 Busisa, Jehova, okwake, u wamukele umsebenzi wezandhla zake; ba hlabhe okalweni bona aba m vukelayo nabo a ba m zodayo: ukuba ba nga pindi, ba vuke.

12 NgoBenjamini, wa ti, o tandiweyo kaJehova u ya kuhlala kahle; uJehova

u ya kumsibekela lonke usuku, a hlale emkatini wamahlombe ake.

13 NgoJosefa, wa ti, Izwe lake lo busiswa uJehova, ngezinto ezi ingwele zezulu, ngombete, na ngolwandhle olu hamba pansi.

14 Na ngezitelo ezi igugu ezi veziwa ilanga, na ngezinto ezi igugu ezi veziwa inyanga.

15 Na ngezinto ezinkulu zezintaba za kade, na ngezinto ezi igugu zezintatya-na e zi ma njalo,

16 Na ngezinto ezi igugu zomhlaba, nokugwala kwawo, na ngentando elungileyo yake o wa e hlezi ehlatini: isibusiso ma si ze pezu kwekanda lika Josefa, na pezu kwekanda lake o wa hlukanisiwe nabafo wabo.

17 Udumo lwake lu njengezibulo lenkomo yake, nezimpondo zake zi njengezimpondo zezinyati: ngazo u ya kububela abantu ekugcineni komhlaba; ba izinkulungwane ezishumi zakwa Efraimi nezinkulungwane zakwa Manassa.

18 NgoZebuloni wa ti, jabula Zebuloni ekupumeni kwako nawe Isaka kote-nite bako.

19 Ba ya kubizela abantu entabeni; lapo ba ya kunikela iminikelo yokulungwa, ngokuba ba ya kudhla kokuningi kolwandhle, namagugu a fihliweyo esihlabatini.

20 NgoGadi, wa ti, U busisiwe yena o kulisayo uGadi u hlezi njengebubesi, wapula ingalo kanye, nokakayi lwekanda.

21 Wa za hlukanisela inxenye yokuqala yena, ngokuba lapo wa e hlezi kona e ngu m niki womteto; wa fika kanye nezinhloko zabantu, wa feza imiteto ka Jehova, nokwahlula kwake kwaba ka Israeli.

22 NgoDani wa ti, uDani u iundhlu lebusesi, u ya kweqa e vela eBashani.

23 NgoNaftali wa ti, O Naftali, u kolive umusa, u suti isibusiso sika Jehova; yidhla intyonalanga neningezimu wena.

24 NgoAsheri, wa ti, Ma ka busiswe uAsheri ngabantwana, ma ka tandeke kubafu wabo, ma ka cwilise unyawo lwa-ke emafuteni,

25 Izicatulo zako zi ya kuba insimbi, netusi; njengezinsuku zako o ba njalo namandhla ako,

26 A ka ko o fana noTixo ka Jeshuruni, o kwela pezu kwezulu ekunisizeni, na ngobukulu bake pezu kwamafu.

27 uTixo ongenakupela u inqaba yako, ngapansi ku kona izingalo ezi ngunapa-

de, u ya kukipa isita ngapambi kwako; a ti bulalani.

28 uIsraeli u ya kuhlala kahle e yedwa; umtombi ka Jakobe u ya kuba sezweni lombila newaini; amazulu ake a ya kuconsisa umbete.

29 U ya jabula wena Israeli; ubani o njengawe na? nina bantu aba sindisi-sweyo uJehova, isihlangu sokunisisa, o inkemba yokulunga kwako! izita zako zi ya kufunyanwa zi ngabaqambama-nga kuwe; u ya kunyatela izindawo za-ba ezipakemeyo.

#### ISAHLUKO 34.

**U**MOSI we suka ematafeni a seMoabi wa ya entabeni iNebo, nga pezu kwePisga, eli bekene neJeriko, uJehova wa m kombisa lonke izwe la seGiladi, ku ze ku fike kuDani.

2 Nalo lonke iNafatali, nezwe la se-Efraimi, neManasa, nalo lonke izwe la seJuda, ku ze ku fike ekugcineni kolwandhle.

3 Naseningezimu, netafa lesigodi se-Jeriko, umuzi weniti yesundu, ku ze ku fike eZoa.

4 Wa ti, uJehova kuye Nanti izwe e nga li fungela kuAbraham, noIsaka, noJakobe, nga ti, ngi ya kulinika inzalo yenu; Ngenzile ukuba u li bone ngamehlo ako, kodwa a u yi ku welela kulo.

5 Njalo uMosi inceku ka Jehova wa fa kona ezweni lase Moabi, njengezwi lika Jehova.

6 Wa m gqiba esigidini ezweni lase Moabi nga se Beth-peori: kodwa amuko muntu olaziyo ituna lake ku ze ku be uamuhla.

7 Iminyaka ka Mosi ya ikulu namashumi amabili ekufeni kwake; iso lake la li nga fipele, namandhla ake a e nga ka peli.

8 Abantwana baka Israeli ba m kabela uMosi ematafeni a seMoabi zizinsuku ezi ngamashumi amatatu: njalo izinsuku zokukala nokulilela uMosi za pela.

9 uJoshua indodana ka Nuni wa e gewele inhliziyi yokuhlakanipa; ngokuba uMosi wa e bekile izandhla zake pezu kwake; nabantwana baka Israeli ba m lalela, benza njengokuyaleza kuka Jehova kuMosi.

10 A ku velanga namunye umprofeti emva kwa loko o njengoMosi, o wa be aziwa uJehova ngobuso.



11 Ngezibonakaliso zonke nemimangaliso, a m tumela yona uJehova, ezweni la sEgipite kuFaro, na sezincekwini zonke zake, na kulo lonke izwe lake.

12 Na ngesandhla sonke esi namaandhla nangokwesabeka konke okukulu, o kwenziwa uMosi emehlweni abo bonke abaIsraeli.

## INCWADI KA JOSHUA.

### ISIAHLUKO 1.

**K**WA ti ngasemva kokufa kuka Mosi, inceku ka Jehova, uJehova wa tyo kuJoshua indodana ka Nuni, induna ka Mosi, wa ti,

2 uMosi inceku yami, u file, suka wena u wele leliJordani, wena na lababantu bonke, ni ye ezweni, e ngi ba nika lona, bona abantwana baka Israeli.

3 Izindawo zonke, ezi ya kunyatelwa izinyawo zenu, ngi ni nikile zona, nje ngokutyo kwami kuMosi.

4 Ku suka ehlane, na ku leliLebano ni, ku ze ku fike emfuleni omkulu, umfula uUfrate, izwe lonke labaHiti; ku ze ku fike kulo ulwandhle olukulu ngasentyonalanga, ku za kuba umkaulo wenu.

5 A ku yi ku ba kona umuntu o nge ma pambi kwako izinsuku zonke zokuhamba kwako; njengaloku nga ngi naye uMosi, ngi ya kuba nawe; a ngi yi ku kudela, ngi ku shiye.

6 Qina u me isibindi, ngokuba u ya kubabela lababantu izwe, e nga funga ngaloko koyise, nga ti, ngi ya kubanika lona.

7 Kepa qina u me isibindi impela, ukuba u geine umteto wonke, a ku nika wona uMosi, inceku yami; u nga pambuki kuwo ukuya ngakwesokunene na ngakwesokholo, ukuba u buse ezindaweni zonke o hambela kuzo.

8 Lencwadi yomteto ma i nga suki emlonyeni wako; zindhla kuyona emini na sebusuku, ukuba u geine konke okulotyiweyo kuyo; kona u ya kuba nenhlanhla ekuhambeni kwako, kona u ya kubusa.

9 A ngi ku yalile na? qina u be nesibindi; u ngesabi, wetuke; ngokuba uJehova uTixo wako u nawe ezindaweni zonke ohambela kuzo.

10 Kona uJoshua wa yala izinduna zabantu, wa ti,

11 Dabulani ekamu, ni ba yale abantu, ni ti, zilungiseleni ukudhla, ngokuba emva kwezinsuku ezintatu ni ya ku we-

la leliJordani, ni ngene ni lamkele izwe, uJehova uTixo wenu a ni nike lona, ni lamkele.

12 uJoshua wa tyo kwa baka Rubeni, na kwa baka Gadi, na kuyo inxenye yesizwe sika Manasa, wa ti,

13 Kumbulani izwi a li tyoyo uMosi kini, inceku ka Jehova, ukuti, uJehova, uTixo wenu, u ya nakisa, u ni nikile lelizwe.

14 Abafazi benu, nabantwana benu, nezinkomo zenu zi ya kuhlala ezweni, a ni nika lona uMosi nganeno kweJordani; kepa nina ni ya kuwela pambi kwabafo wenu, ni hlomile, bonke aba namandhla empini, ni ba size;

15 uJehova a ze a bakise abafo wenu njengani, ba lamkele izwe, a ba nika lona uJehova uTixo wenu; kona ni ya ku buyela ezweni e na belwa lona, ni lamkele izwe a ni nika lona uMosi, inceku ka Jehova nganeno kweJordani, ngasempumalanga.

16 Ba m pendula uJoshua, be ti, Konke o ku tyoyo si ya ku kwenza, na sezindaweni zonke o si tumela kuzo, si ya kuya kona.

17 Njengokuba sa m lalela uMosi ezintweni zonke, so ku lalela nawe; kepa uJehova uTixo wako ka be nawe njengokuba wa ye noMosi.

18 Lowo ohlubukayo kuwo umyalo wako e nga laleli amazwi ako kuko konke o ku tyoyo kuye, u ya kubulawa; kepa qina u me isibindi.

### ISIAHLUKO 2.

**U**JOSHUA indodana ka Nuni wa tumama ngasese abantu ababili be suka eShitimu, be izinhloli, wa ti, Hambani ni bone izwe, neJeriko. Ba ya ba ngena endhlini yesifebe, igama laso uRahabi, ba lala kona.

2 Kwa tyiwo enkosini yaseJeriko, kwa tiwa, Bheka, kwa fika lapa nga lobubusuku abantu kuwo amadodana ka Israeli, beza ukuba ba hlole izwe.

3 Inkosi yaseJeriko ya tumela kuRahabi, ya ti, kipa labobantu aba fike kuwe, aba ngene endhlini yako, ngokuba be zile ukuhlola izwe lonke.

4 Umfazi wa tabata lababantu ababili, wa ba tukusa, wa ti, Ku qinisile, abantu beza kimi, kepa be ngi ngazi lapo be vela kona;

5 Kwa ti ukuvalwa kwesango, se ku hlwile, ba puma abantu; a ngazi lapo ba ye kona abantu, tyetyani ni ba lande, ngoba ni ya kubafumanisa.

6 Kodwa wa e benyusele pezu kwendhlu, wa ba tukusa etyanini belineni, a be se zihlelele lona pezu kwendhlu.

7 Abantu ba ba landela ngendhlele e ya eJordani emazibukweni; ba vala isango be sa puma aba ba landelayo.

8 Be nga ka lali, wenyuka wa ya kubo pezu kwendhlu;

9 Wa ti kubantu, Ngi yazi uJehova u ni nikile izwe, si novalo ngani, abantu bonke bezwe ba pela amandhla ngenxa yenu.

10 Ngokuba si zwile ku tiwa uJehova wa womisa amanzi olwandhle olubomvu pambli kwenu ekupumeni kwenu Egipite; si zwile na loko e na kwenzayo kuwo amakosi amabili amaAmori a e ngapsheya kweJordani, uSihoni noHogi e na ba citayo.

11 Sa ti ukuzwa loku izinhliziyo zetu za neibilika; a ku seko sibiudi kumuntu wenu ngenxa yenu; ngokuba uJehova uTixo wenu u nguTixo ezulwini ngapezulu na semhlabeni ngapaniso.

12 Njalo, a ke ni funge uJehova kimi, loku ngi nenzele ubunene ukuti ni ya ku yenzela indhlu ka baba ubunene ni ngi nike isiboniso seqiniso;

13 Ni sindise ubaba, nomame, nabafo wetu, nodade wetu, nako konke aba nako ni si sindise ekufeni.

14 Abantu ba ni pendula ba ti, Si ya kufa, ni sinde! Nxa ni nga wazisi lomsebenzi wetu, kona ku za kuti, uJehova e se si nikelile izwe, si ya ku kwenzela ubunene neqiniso.

15 Wa behlisa ngentambo ngasesibukweni; ngokuba indhlu ya i sodongeni lomuzi; wa ye akile odongeni;

16 Wa ti kubo, Sukani ni ye entabani, funa aba ni landelayo ba ni fumane; catyani kona izinsuku ezintatu, ba ze ba buye aba ni landelayo; kona ni ya kuhamba ni ye ngendhlele ni yenu.

17 Abantu ba ti kuye a si nacala nga lesi sifungiso sako o si fungisile sona.

18 Bheka, ukufika kwetu ezweni u ya kutekezela lentambo ebomvu esibukweni o sehlise ngaso; uyihlo, nonyoko, nabafo wenu, nendhlu yonke ka yihlo u ya ku i butela ekaya kuwe.

19 Ku za kuti, lowo opuma eminyango yendhlu yako a ye pandhle, igazi lake li za kuba pezu kwekanda lake, tina si nga bi nacala; kodwa lowo o nawe endhlini, igazi lake li za kuba pezu kwekanda letu, uma si kona isandhla pezu kwake.

20 Uma u wazisa lomsebenzi wetu, a si nacala ngesifungiso sako o si fungisa sona.

21 Wa ti, A ku be njengokutyo kwenu. Wa ba mukisa, i hamba. Wa tekeleza intambo ebomvu esibukweni.

22 Ba suka li za entabeni, ba hlala kona izinsuku ezintatu, ba ze ba buya abalandelayo; abalandelayo ba ba funa indhlele yonke, kepa a. ba ba fumanisanga.

23 Ba buyake lababantu ababili, behla entabeni, ba wela ba ya kuJoshua indodana ka Nuni, ba m landisa konke okwa behlela.

24 Ba ti kuJoshua, u nikile ezandhleni zetu izwe lonke; bonke abantu bezwe ba pela amandhla ngenxa yetu.

### ISAHLUKO 3.

**U**JOSHUA wa vuka ekuseni; ba suka eShitimu, beza eJordani, yena nabo bonke abantwana baka Israeli, ba lala kona, be nga ka weli.

2 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezintatu, izinduna za ya empini;

3 Za ba yala abantu za ti, Nxa ni bona umpongolo wesivumelwano ka Jehova uTixo wenu, nabapristi naba Levi be u twele, kona ni ya kusuka, endaweni yenu, ni u landele.

4 Kepa a ku be ibanga pakati kwenu nawo, ku nga ti amakubiti a izinkulungwane ezimbili ngokulinganisa; ni nga sondeli kuwo ukuba ni yazi indhlele eni ya kuhamba ngayo; ngokuba a ni bonanga ni dlhula nga lendhlele.

5 uJoshua wa ti kubantu, Zihlambululeni; ngokuba ngomso uJehova u ya kuzenza izimangaliso pakati kwenu.

6 uJoshua wa tyo kubapristi, wa ti, Tabatani umpongolo wesivumelwano, ni wele pambi kwabantu, Ba tabata umpongolo wesivumelwano, ba hamba pambi kwabantu.

7 uJehova wa ti kuJoshua, Namhla ngi ya kuqala ngi ku kulise emehlweni aba-

Israeli bonke, ukuba bazi ukuti, njengokuba nga ngi naye uMosi ngi ya kuba nawe.

8 Yityo kubapristi aba pata umpongolo wesivumelwano, u ti, Nxa ni fikile ogwini lwamanzi a seJordani, yimani eJordani.

9 uJoshua wa ti kwa baka Israeli, Sوندلانی lapa, ni zwe amazwi ka Jehova uTixo wenu.

10 uJoshua wa ti, Ngaloku ni ya kwazi ukuti uTixo opilileyo u kona pakati kwenu, nokuti, u ya kuxotya nokuxotya pambi kwenu amaKenani, namaHiti, namaHivi, namaPerizi, namaGirgashi, namaAmori, namaJebusi.

11 Bheka umpongolo wesivumelwano seNkosi yezwe lonke u wela iJordani pambi kwenu :

12 Tabatani abantu aba ishumi nambili ezizweni zika Israeli, ku be ileso sizwe a be munye.

13 Ku za kuti, nxa izinyawo zabapristi aba pata umpongolo ka Jehova, Inkosi yezwe lonke, zi nyatela emanzini a seJordani a ya kunqanyulwa, amanzi a vela ngasenhla, e me udonga.

14 Kwa ti, abantu be sa suka emateni abo ukuwela iJordani, nabapristi aba pata umpongolo wesivumelwano pambi kwabantu ;

15 Lapo se be fikile eJordani aba twala umpongolo izinyawo zabapristi aba twala umpongolo se zi ngenile ogwini lwamanzi, (iJordani leqa izindonga zonke zalo, isikati sonke sokuvuna.)

16 Kwa ti, amanzi a vela ngasendhla e ma, e nyuka a ba udonga, kude kakulu nga seAdamu, umuzi o nga seZereta; na lawa e ukayo, e ya nga selwandhle lwa seAraba, ulwandhle luka Saoti, a nqanyulwa impela; abantu ba wela be bheken eJeriko.

17 Abapristi aba pata umpongolo wesivumelwano sika Jehova, bema ba qina emhlabatini ngapakati kweJordani, aba-Israeli bonke ba wela emhlabatini, sa za sa wela iJordani isizwe sonke, sa pelela.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti, isizwe se si welile iJordani, si pelele, uJehova wa tyo kuJoshua, wa ti,

2 Tabatani abantu aba ishumi nambili ebantwini ku be ileso sizwe a be munye.

3 Ni ba yale, ni ti, Tabatani lapo pakati kweJordani, endaweni lapa zi me kona zi qinile izinyawo zabapristi, amatye a ishumi nambili, ni wele nawo, ni

wa beke endaweni lapo ni yakulala kona namhla.

4 Kona uJoshua wa biza abantu aba ishumi nambili, a be se ba ketile, kwa baka Israeli, kwa ba ileso sizwe wa ba munye.

5 uJoshua wa ti kubo, Hambani pambi kompongolo ka Jehova, uTixo wenu, ni ye ngapakati kweJordani, ni tabate amatye, ilowo a tabate itye a li beke ehlombe, ku lingane nezizwe za baka Israeli ngokubalwa;

6 Ukuba loku ku be isiboniso pakati kwenu, nxa abantwaua benu be buza ngesikati esizayo, be ti, a ini lawa matye na ?

7 Kona ni ya kuti kubo, amanzi a seJordani a nqanyulwa pambi kompongolo wesivumelwano sika Jehova; u sa wela iJordani amanzi a seJordani a nqanyulwa; lawa matye a za kuba ufakazi kwa baka Israeli ku ze ku be pakade.

8 Abantwana baka Israeli beiza njalo njengokuyala kuka Joshua; ba tabata amatye a ishumi nambili ngapakati kweJordani, njengokutyo kuka Jehova kuJoshua, a lingene nezizwe zaba ka Israeli ngokubalwa ba wela nawo, ba ya endaweni yokulala, ba wa beka kona.

9 uJoshua wa misa amatye a ishumi nambili ngapakati kweJordani, lapo bema kona abapristi aba pata umpongolo wesivumelwano, a kona na namhla.

10 Abapristi aba twala umpongolo bema ngapakati kweJordani kwa za kwa pelela konke uJehova a m yala uJoshua ukuba a ku tyo kubantu njengako konke uMosi a ku tyoyo kuJoshua; abantu ba tyetya, ba wela.

11 Kwa ti, se be welile abantu be pelele, kwa wela umpongolo ka Jehova nabapristi pambi kwabantu.

12 Ba wela nabaka Rubeni, nabaka Gadi, nenxenye yesizwe sika Manasa be hlomile, pambi kwabaka Israeli, njengokutyo kuka Mosi kubo.

13 Ba wela pambi kuka Jehova ukulwa abahlomileyo, ku nga ti, aba izinkulungwane ezi amashumi amane, ba fika ezimfundeni za seJeriko.

14 Nga lolosuku uJehova wa kulisa uJoshua emehlweni aba-Israeli bouke; ba m hlonipa, njengokuba ba m hlonipa uMosi izinsuku zonke zokuhamba kwake.

15 uJehova wa tyo kuJoshua, wa ti,

16 Ba yale abapristi aba twala umpongolo womteto, ba kupuke eJordani.

17 Kona uJoshua wa ba yala abapristi, wa ti, Kupukani eJordani.

18 Kwa ti, abapristi aba twala umpo- ngolo wesivumelwano sika Jehova se be kupukile ngapakati kweJordani, izinya- wo zabapristi se zi pumele emhlabatini, amanzi a seJordani a buyela endaweni yawo, eqa izindonga zonke zalo njenga- kuqala.

19 Abantu ba kupuka eJordani ngosu- ku lweshumi lwenyanga yokuqala, ba ngenisa eGilgali, emkaulweni wa seJeri- ko nga sempumalanga.

20 Lawomatye a ishumi nambili, aba wa tatayo eJordani, uJoshua wa wa misa eGilgali.

21 Wa tyo kubantwana baka Israeli, wa ti, Nxa abantwana benu be buza oyise babo ngesikati esizayo, be ti, A ini lawa- matye?

22 Kona ni ya kubazisa abantwana be- nu, ni ti, abaIsraeli ba wela leliJordani emhlabatini.

23 Ngokuba uJehova uTixo wenu wa womisa amanzi a seJordani ngapambi kwenu, na za na wela, njengaloko a kwenzayo uJehova uTixo wenu elwan- dhle Olubomvu, a lomisayo pambi kwetu sa za sa wela;

24 Ukuba izizwe zonke zomhlaba zi sazi isandhla sika Jehova, ukuti si namandhla, ukuba ni m hlonipe uJehova uTixo wenu izikati zonke.

### ISAHLUKO 5.

**K**WA ti, amakosi onke amaAmori, a ngapeshya kweJordani, nga sen- tyonalanga, namakosi onke amaKenani, a nga selwandhle, e sezwa ukuba uJehova wa womisa amanzi a seJordani ngapambi kwabaka Israeli, ba za ba we- la, izinhliziyi zawo za pela amandhla; kwa ku nga seko isibindi kuwo, ngenxa yabakwa Israeli.

2 Nga lesosikati uJehova wa ti kuJo- shua, Yenza omese bamatye, u pinde u so- ke abantwana baka Israeli ngokwesibili.

3 Kona uJoshua wa benza omese ba- matye, wa soka abantwana baka Israeli eMango-wamajwabu.

4 uJoshua wa soka ngokuba abantu oonke aba puma Egipite, aba isilisa, bo- nke aba ngamabuto ba fa ehlane, endhle- leni, se be pumile Egipite.

5 Ba be sokiwe abantu bonke aba pu- ma Egipite, kepa abantu bonke aba za- lwa ehlane, endhleleni, ekumukeni kwa- bo Egipite, ka ba ba sokanga.

6 AbakaIsraeli ba hamba iminyaka emashumi amane ehlane, ba za ba pela abantu bonke; abantu aba be ngamabu- to, aba pumayo Egipite, ngokuba be nga lalaelanga izwi lika Jehova, a funga ku- bo uJehova, ngokuti, ka yi kubabonisa izwe, a funga ngalo uJehova koyise, e ti, u ya kusinika lona, izwe eli vama ubisi nezinyosi.

7 Abantwana babo, a ba vusayo enda- weni yabo, laba uJoshua wa ba soka, ngokuba ka ba ba sokanga endhleleni.

8 Kwa ti, se be qedile ukusoka aba- ntu bonke, ba hlala ezindaweni zabo ekamu, ba za ba pola.

9 uJehova wa ti kuJoshua, Namhla ngi letulile ihlazo la sEgipite. Ngako igama la leyondawo la tiwa iGilgali kwa za kwa ba namhla.

10 AbakaIsraeli ba ngenisa eGilgali, ba gcina ipasika kusihlwa, ngosuku lwe- shumi nane lwenyanga, emfundeni ya seJeriko.

11 Ba dhla izitelo zezwe nga ngomso emva kwepasika, isinkwa esi nga vu- tyelwe, nezikwebu ezosiweyo, nga lolu- suku.

12 Imana la nqamuka nga ngomso, se be dhlile izitelo zezwe; abantwana baka Israeli a ba pindanga ba be nalo imana; ba dhla izitelo zezwe la seKenani nga lowomnyaka.

13 Kwa ti, uJoshua e nga seJeriko, wa lulamisa amhlo, wa kangela, bheka, kwa ku mi umuntu pambi kwake, inke- mba yake i kityiwe, i sesandhleni sake; uJoshua wa ya kuye, wa ti kuye U vu- na ubani, tina nezita zetu na?

14 Wa ti, Qa, kodwa ngi ze kaloku, ngi induna yempi ka Jehova, uJoshua wa kotama pansi ngobuso bake, wa m dumisa, wa ti kuye, I tini inkosi yami, enekwini yayo?

15 Induna yempi ka Jehova ya ti ku- Joshua, kumula isicatulo sako onyaweni lwako, ngokuba indawo o mi kuyo i ingewele; wenza njalo uJoshua.

### ISAHLUKO 6.

**J**ERIKO la valwa ngenxa yabaka- Israeli; a ku pumanga muntu, a ku ngenanga muntu.

2 uJehova wa ti kuJoshua, Bheka, ngi nikile esandhleni sako iJeriko, nenkosi yalo, namaqawe empini.

3 Haqani umuzi, mabuto onke, ni zu- ngeze umuzi kanye; yeenza njalo izinsu- ku ezi isitupa.

4 Abapristi aba isikombisa ma ba pate pambi kompongolo amatilongo a isikombisa okuhlaba umkosi: ngosuku lwesikombisa zungezani umuzi kakombisa, abapristi ba tyaye amatilongo.

5 Ma ku ti, nxa li tyaywa itilongo lokumemeza, nxa ni zwa izwi letilongo, abantu bonke ma ba memeza nokumemeza kakulu; udonga lomuzi lu ya kuwa pansi, ba kupuke bonke abantu, be qonda pambili.

6 uJoshua indodana ka Nuni, wa biza abapristi, wa ti kubo, Tabatani umpongolo wesivumelwano, abapristi aba isikombisa ma ba pate pambi kompongolo ka Jehova amatilongo okumemeza a isikombisa.

7 Ba ti kubantu, Dhlulani, ni zungeze umuzi, abahlomileyo ka ba dhlule pambi kompongolo ka Jehova.

8 Kwa ti, uJoshua se e tyilo kubantu, abapristi aba isikombisa abapata amatilongo okumemeza a isikombisa ba dhlula pambi kuka Jehova, ba tyaya amatilongo; umpongolo wesivumelwano ka Jehova wa ba landela.

9 Abahlomileyo ba hamba pambi kwabapristi aba tyaya amatilongo, isigaba sa semva sa landela umpongolo; ba hamba be tyaya amatilongo.

10 uJoshua wa ba yala abantu, wa ti, Ni nga memezi, ma li ngezwakali izwi lenu, li nga puni igama emlonjeni wenu, ku ze ku fike usuku engi za kuti kini ngalo, memezani, kona ni ya kumemeza.

11 Umpongolo ka Jehova wa zungeza umuzi, wa ya kanye; ba buyela ekamu, ba lala ekamu.

12 uJoshua wa vuka ekuseni; abapristi ba tabata umpongolo ka Jehova.

13 Abapristi aba isikombisa abapata amatilongo a isikombisa okuhlaba umkosi pambi kompongolo ka Jehova, ba hamba njalo, ba tyaya amatilongo; abahlomileyo ba hamba pambi kwabo; isigaba sa semva sa landela umpongolo ka Jehova; ba hamba be tyaya amatilongo.

14 Ngosuku lwesibili ba zungeza umuzi kanye, ba buyela ekamu, benza njalo izinsuku ezi isitupa.

15 Kwa ti ngosuku lwesikombisa, ba vuka kusasa, ku sa qala ukusa, ba zungeza umuzi ngokunjalo ka kombisa ngalolo suku lodwa ba zungeza umuzi ka kombisa.

16 Kwa ti ngokwesikombisa, abapristi be sa tyaya amatilongo, uJoshua wa ti

kubantu, Memezani, ngokuba uJehova u ni nikile umuzi.

17 Umuzi wo citwa uJehova wona nako konke oku kuwo, uRahabi yedwa isifebe u ya kusinda, yena nako konke oku kuye endhlini, ngokuba wa zi tuku-sa izigijimi, esa zi tumayo.

18 Kodwa zigcineni kuko okuqalekisiweyo, funa ni zenze abaqalekisiweyo, uma ni pata okuqalekisiweyo ni lenze ikamu lika Israeli li be into e qalekisiweyo ni lone.

19 Isiliva lonke, negolide, nezitya zetusi, nezensimbi, zi ingewele kuJehova a zi ye emfuyweni ka Jehova.

20 Abantu ba memeza, ba tyaya amatilongo; kwa ti, abantu be se zwa ukukala kwetilongo, abantu be sa memeza nokumemeza kakulu, udonga lwa wa pansi, abantu bonke ba kupukela emzini, ba qonda pambili, ba tabata umuzi.

21 Ba cita konke oku semzini ngobukali benkemba, isilisa nesifazana, abatya nabadala, izinkomo, nezimvu, nezimbo-ngolo.

22 Kepa uJoshua wa e tyilo ku labo-bantu ababili aba hlola izwe, wa ti, Nge-nani endhlini yomfazi o isifebe, ni m kipe kona umfazi, nako konke a nako, njengokufunga kwenu kuye.

23 Izinsizwa eza zi izinhloli za ngena, za kipa uRahabi, noyise, nonina, nabafo wabo, nako konke a nako; nabo bonke abakubo, za ba beka ngapandhle kwekamu lika Israeli.

24 Ba tyisa umuzi ngomlilo nako konke oku kuwo: kodwa isiliva, negolide, nezitya zetusi nezensimbi, ba zi beka emfuyweni yendhlu ka Jehova.

25 uJoshua wa sindisa uRahabi, isifebe, nendhlu ka yise nako konke a nako; wakile kwaIsraeli na namhla; ngokuba wa tukusa izigijimi a zi tumayo uJoshua ukuba zi hlole iJeriko.

26 uJoshua wa ba fungisa nga lesosikati, wa ti, Ka tukwe pambi kuka Jehova lowo muntu o za kusuka ake lomuzi iJeriko; u ya kusekela ngowamazibulo wake, a mise amasango awo ngomncinyane wake.

27 uJehova wa e naye uJoshua, udumo lwake lwa lu kona ezweni lonke.

#### ISAHLUKO 7.

**K**ODWA abaka Israeli beqa ngezinto eziqalekisiweyo; uAkana, indodana ka Karmi, indodana ka Zabdi, indodana ka Zera, wesizwe sika Juda, wa zi tabata

izinto eziqalekisiweyo; ulaka luka Jehova lwa vutela abantwana baka Israeli.

2 uJoshua wa tuma abantu be suka eJeriko ba ya eHai, eli nga seBetaveni, nga sempumalanga kwa seBeteli; wa tyo kubo, wa ti, Kupukani ni hlole izwe. Abantu ba kupuka, ba hlola iHai.

3 Ba buyela kuJoshua, ba ti kuye, Ma ba nga kupuki abantu bonke; ma ba kupuke abantu, aba izinkulugwane ezimbili nokuba izinkulugwane ezintatu, ba cite iHai; u nga ba katazi abantu bonke ngokubayisa kona; ngokuba ba incozana.

4 Ba kupukela kona abantu, aba izinkulugwane ezintatu; ba baleka pambi kwabantu ba seHai.

5 Abantu ba seHai ba ba bulala abantu kubo aba ngamashuni amatatu nesitupa: ba ba landela, be suka ngapambi kwesango, ba za ba fika eShebarimu; ba ba bulala ekwehleri; izinhliziyi zabantu za pela amandhla, za ba njengamanzini.

6 uJoshua wa dabula izingubo zake, wa wa pansi ngobuso pambi kompongo lo ka Jehova kwa za kwa hlwa, yena namalunga ka Israeli, ba tela utuli emakandana abo.

7 uJoshua wa ti, Au! Nkosi Jehova, wa ba weliselani lababantu iJordani, ukuba u si nikele esandhlени samaAmori, a si bulale? Yeka u ba sa vuma ukuhlala ngapashesya kweJordani.

8 E, Nkosi yami, ngi za kutini lapa abaIsraeli se be fulatela izita zabo.

9 AmaKenani nabo bonke abakileyo ezweni ba ya kuzwa, ba si haqe ba citey igama letu emhlabeni; u ya kulenzelani igama lako elikulu?

10 uJehova wa ti kuJoshua, Suka u me; u lalalani kanye pansi ngobuso bako?

11 Bonile abaIsraeli, beqile isivumelwano sami, enga ba yala ngaso; futi ba tabatile okuqalekisiweyo, bebile, ba kohlisa ba ku beka kweyabo impahlala.

12 Ngako abantwana baka Israeli ba be nge nakuma pambi kwezita zabo, kepa ba fulatela izita zabo, ngokuba ba into eqalekisiweyo; a ngi yi kupinda ngi be nani, uma ni nga qedi loku okunikelweyo, ku pele kini.

13 Sukani, ni hlambulule abantu, ni ti, Zihlambululelени ingomso, ngokuba uJehova uTixo ka Israeli u ti, Ku kona pakati kwenu okuqalekisiweyo, baIsraeli;

a ni yi kuba namandhla okuma pambi kwezita zenu, ni nga ka susi kini loku okuqalekisiweyo.

14 Kusasa ni ya kusondela izizwe ngezizwe; ku za kuti, isizwe esidhliwa uJehova si ya kusondela imideni ngemideni; umdeni o dhliwa uJehova u ya kusondela abantu ngabantu.

15 Ku ya kuti o dhliwayo, e nokunikeleweyo, u ya kutyiswa ngomlilo, yena nako konke a nako, ngokuba weqile isivumelwano sika Jehova, na ngokuba wenzile okubi kwaIsraeli.

16 uJoshua wa vuka ekuseni, wa ba sondeza abaIsraeli izizwe ngezizwe; isizwe sika Juda sa dhliwa;

17 Wa sondeza imideni ka Juda; wa dhliwa umdeni ka Zarhi; wa sondeza umdeni ka Zarhi, abantu ngabantu, wa dhliwa uZabdi;

18 Wa sondeza indhlu yake abantu ngabantu, wa dhliwa uAkana, indodana ka Karmi, indodana ka Zabdi, indodana ka Zera, wesizwe sika Juda.

19 uJoshua wa ti kuAkana, Ndadana yami, m bongu uJehova uTixo ka Israeli, u m dumise; u ngi tyele o kwenzileyo, u nga ngi fihleli.

20 uAkana wa m pendula uJoshua, wa ti, Ku qimisile, ngonile kuJehova uTixo ka Israeli, ngenzile ukuti nokuti.

21 Nga bona ezintweni ezipangiweyo ingubo ehle ya seShinari, namashekeli amakulu amabili esiliva, noti lwegolide lu ngamashekeli amashumi amahlanu ngokulinganiswa; nga ku fisa, nga ku tabata; bheka, ku tukusiwe emhlabatini pakati kwetente lami, nesiliva li pansi kwayo.

22 uJoshua wa tuma izigijimi, za gijimela etenteni, bheka, ya i tukusiwe etenteni lake, isiliva li pansi kwayo.

23 Za ku kipa etenteni, za ku yisa kuJoshua na kubo bonke abantwana baka Israeli, za ku beka pambi kuka Jehova.

24 uJoshua kanye nabo bonke bakaIsraeli ba tabata uAkana, indodana ka Zera, nesiliva, nengubo, noti lwegolide, namadodana ake, namantombazana ake, nezinkomo zake, nezimbongolo zake, nezimvu zake, netente lake, nako konke a nako, ba ku yisa esigodini sa seAkori.

25 uJoshua wa ti, U si hlupelani na? uJehova wo ku hlupa namhla. abaIsraeli bonke ba m kanda ngamatye, ba ba tyisa ngomlilo, ba ba tyaya ngamatye.

26 Ba misa pezu kwake inqwaba enkulu yamatye, i kona na namhla.

uJehova wa guquka olakeni lwake olukulu: ngako igama la leyondawo la tiwa, Isigodi sa seAkori, kwa za kwa ba namhla.

ISAHLUKO 8.

**UJEHOVA** wa ti kuJoshua, U ngesabi wetuke; tabata bonke abantu bempfi, u suke, u kupukele eHai; bheka, ngi nikele esandhleni sako inkosi ya seHai, nabantu bayo, nomuzi wayo, nezwe lake.

2 U ya kwenza eHai na senkosini yalo njengaloku wenza eJeriko na senkosini yalo; kodwa impango yalo, nezinkomo zalo, ni ya kuzipangela zona; ba beke abantu emva komuzi, ba u lalele.

3 Wesuka uJoshua nabo bonke abantu bempfi ukwenyukela nga seHai; uJoshua wa keta abantu aba izinkulungwane ezi amashumi amatatu, amaqawe a namandhla, wa ba tuma ebusuku.

4 Wa ba yala, wa ti, Bhekani, no lalala nga semzini, ngasemva komuzi, ni nga yi kude kakulu nomuzi, ni hlale ni lungile nonke;

5 Mina, nabantu bonke aba nami, si ya kusondela emzini; ku za kuti, nxa be pumela kitina njenga kuqala, si ya kubaleka pambi kwabo.

6 Ba ya kupuma ba si landele, si ze si ba kipe emzini; ngokuba ba ya kuti, si ya baleka pambi kwabo njenga kuqala; si ya kubaleka pambi kwabo.

7 Kona ni ya kusuka ekulaleleni, ni tabate umuzi; uJehova uTixo wenu u ya kuunikela esandhleni senu.

8 Ku za kuti, se ni tabatile umuzi, ni ya kutyisa umuzi ngomlilo; ni ya kwenza njengokutyo kuka Jehova. Bhekani, ngi ni yalile.

9 uJoshua wa ba tuma; ba suka ba ya ukulalala; ba hlala pakati kweBeteli neHai, ngasentyonalanga kwa seHai; kepa uJoshua wa lala ebantwini ngalobobusuku.

10 Wa vuka ekuseni uJoshua, wa ba bala abantu, wa kupuka yeua namalunga ka Israeli ukuya eHai.

11 Ba kupuka bonke abantu bempfi aba be naye, ba sondela, ba ya ngapambi komuzi, ba ngenisa nga senyakato kweHai; isigodi sa si pakati kwabo neHai.

12 Wa tabata abantu ku nga ti ba izinkulungwane ezi isihlanu, wa ba beka ukuba ba lalale ngapakati kweBeteli neHai, ngasentyonalanga komuzi.

13 Kwa bekwa abantu, ikamu lonke eli nga senyakato komuzi, nabalaleli babo nga sentyonalanga komuzi, uJoshua wa ya esigodini nga lobobusuku.

14 Kwa ti, inkosi ya seHai i sa bona, ba tyetya ba vuka kusasa, abantu bomuzi ba pumela kuIsraeli ukulwa, yona nabantu bonke bayo, endaweni emisweyo, pambi kwemfunda; ya i ngazi ukuti ba kona abailalelayo ngasemva komuzi.

15 uJoshua nabaIsraeli bonke benza se nga ti bahluliwe pambi kwabo, ba baleka ngendhilela ya sehlane.

16 Ba menywa abantu bonke aba seHai, ukuba ba ba landele; ba m landela uJoshua, ba kitywa emzini.

17 A ku salanga muntu eHai na seBeteli o nga ba landelanga abaIsraeli; ba u shiya umuzi u vuliwe, ba ba landela abaIsraeli.

18 uJehova wa ti kuJoshua, Yelula umkonto o sesandhleni sako nga seHai; ngokuba ngi ya kulinikela esandhleni sako, uJoshua wehula umkonto o sesandhleni sake nga semzini.

19 Abalaleli ba suka masinyane endaweni yabo, ba gijima e sa selula isaudhla sake; ba ngena emzini, ba u tabata; ba tyetya ba tyisa umuzi ngomlilo.

20 Abantu ba seHai ba penduka ba bona umusi womuzi wenyukela ezulwini, ba be nge namandhla ukubaleka lapo na lapo; abantu aba be balekela nga sehlane ba ba pendukela aba ba landelayo.

21 uJoshua nabo bonke abaIsraeli ba bona ukuti abalaleli se be tabatile umuzi, nokuti umusi womuzi u yenyuka, ba buya, ba ba bulala abantu ba seHai.

22 Abanye ba puma emzini ukuya kubobo; ba be pakati kwabaIsraeli, abanye ngalapa abanye ngalapaya; ba ba bulala, a ba shiyanga nanunye owa salayo wa sinda.

23 Ba i bamba inkosi ya seHai ba i yisa kuJoshua.

24 Kwa ti abaIsraeli, se be qedile ukubulala bonke abakileyo eHai, aba ngasendhle, ehlane, lapo ba be ba xotyele kona, se be wile bonke ngenkamba, ba za ba pela, abaIsraeli bonke ba buyela eHai, ba li qeda ngenkamba.

25 Kwa ti, bonke aba wa nga lolosuku, abesilisa na besifazana, ba be izinkulungwane ezi ishumi nambili, abantu bonke ba seHai.

26 uJoshua a ka buyisanga isandhla sake, a selulayo nomkonto, e nga ka qedi bonke abakileyo eHai.

27 Izinkomo zodwa nezinto ezipangiweyo za lowo muzi ba zitabatela ab-Israeli, njengezwi lika Jehova, a m yala ngalo uJoshua.

28 uJoshua wa tyisa iHai, wa lenza la ba igquma ku ze ku be pakade, li citekile ku ze ku be namhla.

29 Wa panyeka inkosi ya seHai emtini kwa za kwa hlwa; se li tyonile ilanga, uJoshua wa yala ukuba ba sehlise isidumbu sake emtini, ba si tyinge nga sesangweni lomuzi, ba mise pezu kwaso inqwaba enkulu yamatye, i kona na namhla.

30 Kona uJoshua wa m akela uJehova uTixo kaIsraeli ilati entabeni ya seBali.

31 Njengoloku uMosi, incekukazi ka Jehova wa e yalile abakaIsraeli, njengokulotyiweyo encwadini yomteto ka Mosi, Ilati lamatye a nga baziwe, a nga tintwanga muntu ngensimbi; ba nikela pezu kwalo iminikelo yokutya kuJehova, ba hlaba imihlatyelo yokutula.

32 Wa loba kona ematye isipindwa somteto ka Mosi, a u lobayo ebusweni babaka Israeli.

33 AbaIsraeli bonke, namalunga abo, namakosi abo, nabahluli babo, ba bemi ngalapa kompongolo na ngalapaya kwawo, pambi kwabapristi, abaLevi abawalayongolo wesivumelwano sika Jehova, owesizwe kanye nowa kubo; inxenye yabo ya bhekana nentaba ya seGerizimu, nenxenye yabo ya bhekana nentaba ya seEbali, njengokuba uMosi incekukazi ka Jehova wa e yalile, ukuba ba busise abantu bakaIsraeli kuqala.

34 Ngasemva wa funda amazwi onke omteto, ukubusisa nokuqalekisa, njengako konke okulotyiweyo encwadini yomteto.

35 La li ngeko izwi kuko konke a ku yalelayo uMosi, a nga li fundanga uJoshua pambi kwesizwe sonke sakwa Israeli, abesifuzana, nabantwana, nabezizwe abahambelayo pakati kwabo.

#### ISAHLUKO 9.

**K**WA ti, amakosi onke, a e ngapeshena kwaJordanani, ezintabeni, na sematafeni, na nga sogwini lolwandhle olukulu, olu bhekana neLebanoni, amaHiti, namaAmori, namaKenani, nama-

Perizi, namaHivi, namaJebusi, se e zwile loku.

2 A butana ndawonye ukulwa noJoshua nabaIsraeli, nganhliziyonye.

3 Abakileyo eGibeoni, se be zwile loko a be kwenzile uJoshua eJeriko na seHai,

4 Ba suka benza ngobuqili, nabo ba ya ba zilungisela ukudhla, ba tabata ezimbongolweni zabo amasaka a gugileyo, nezimvaba zewaini ezigugileyo, zi dabukile, zi botyiwe;

5 Nezicatulo ezigugileyo, zi iziziba, ezinyaweni zabo, nezingubo ezigugileyo pezu kwabo; ukudhla konke kompako kwa komile, ku invutu.

6 Ba ya kuJoshua ekamu la se Gilgali, ba ti kuye na kubantu bakaIsraeli, Si vela ezweni eli kude; a ke nenze isivumelwano nati.

7 Abantu baka Israeli ba ti kuwo amaHivi, Mhlaumbe nakile pakati kwetu, si ngenxa kanjani isivumelwano nani.

8 Ba ti kuJoshua, Si izincekukazi. uJoshua wa ti kubo, Ni ngobani? ni vela ngapi?

9 Ba ti kuye, Izincekukazi zaku zi vela ezweni eli kude kakulu, ngenxa yegama lika Jehova uTixo wako; ngokuba si zwile udumo lwake, nako konke a kwenzayo Egipite,

10 Nako konke a kwenzayo kuwo amakosi amabili amaAmori a e ngapeshena kwaJordanani, uSihoni inkosi ya Heshbone, noHogi inkosi ya seBashani, eya i kona eAshtaroti.

11 Abadala ba kiti, nabo bonke abakileyo ezweni la kiti ba tyo kiti, ba ti, Tabatani ezandhlani zenu umpako wendhlela, ni ye ni ba hlangabeze, ni ti kubo, Si izincekukazi zenu; a ke nenze isivumelwano nati.

12 Lokukudhla kwetu kompako, sa ku tabata, ku tyisa, ezindhlani zetu, ngosuku esa puma ngalo ukuzo kuni; kepa kaloku, bheka, komile, ku invutu;

13 Lezimvaba zewaini esa zi gwailisa zi zintya, kepa, bheka, zi dabukile; na lezingubo nezicatulo zetu se zi gugile ngenxa yendhlela ende kakulu.

14 Abantu ba tabata umpako wabo, a ba buzanga intando ka Jehova.

15 uJoshua wa ba vumela, wenza isivumelwano nabo ukuba ba pile; izinduna zesizwe za funga kubo.

16 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezintatu, se be senzile isivumelwano nabo, bezwa ukuti bakelene nabo, ba hlezi pakati kwabo.



17 Abantwana baka Israeli ba suka, ba fika emizini yabo ngosuku lwesitatu. Imizi yabo ya i iGibeoni, neKepira, neBerota, neKirjatijearimu.

18 Abaka Israeli a ba ba bulalanga, ngokuba izinduna zomhlangano za zi fungile kubo uJehova uTixo ka Israeli. Umhlangano wonke wa sola izinduna.

19 Izinduna zonke za ti kuso sonke isizwe; Si fungile kubo uJehova uTixo ka Israeli, a si se nakubatinta.

20 Si ya kwenza loku, si ya ba yeka, ba pile, funa sehlelwe ulaka ngenxa yefifungo esa funga ngaso kubo.

21 Izinduna za ti kubo, Ma ba pile. Ba ba abagauli bemiti nabaki bamanzi kuso sonke isizwe, njengokutyo kwezinduna kubo:

22 uJoshua wa ba biza, wa tyo kubo, wa ti, Ni si kohliseleni, ngokuti, Si hlala kude kakulu nani, kepa nakile pakati kwetu.

23 Ngako se ni tukiwe; a ku yi ku nqamuki kini aba izigqili, nabagauli bemiti, nabaki bamanzi kuyo indhlu ka Tixo wami.

24 Ba m pendula uJoshua ba ti, Impelela izinceku zako za tyelwa ukuti, uJehova uTixo wako wa yala uMosi inceku yake, ukuba a ni nike izwe lonke, nokuba a ba cite pambi kwenu bonke abakileyo ezweni; be si novalo olukulu ngani, funa si fe, senza loku.

25 Kaloku, bheka, si sesandhlani sako; yenza kitina okulungileyo nokufanelelo ngokubona kwako.

26 Wenza njalo kubo; wa ba sindisa esandhlani sabaka Israeli, a ba ba bulalanga.

27 Ngalolosuku uJoshua wa benza abagauli bemiti nabaki bamanzi emhlanganweni, na selatini lika Jehova, ku ze ku be namhla, endaweni e ya kuketwa uye.

#### ISAHLUKO 10.

**K**WA ti, uAdonizedeki inkosi ya se Jerusalema, se e zwile ukuti, uJoshua wa e tabatile eHai, wa li qeda, njengaloku wa enzile eJeriko na senkosini yalo, wa enzile njalo eHai na senkosini yalo; nokuti abantu ba seGibeoni ba be hlangene nabaIsraeli, nokuti se be kona pakati kwabo;

2 Ba besaba kakulu, ngokuba iGibeoni la li umuzi omkulu, njengemizi yamakosi, na ngokuba wa u mkulu ku neHai; abantu bonke bawo ba be ngamaqawe.

3 uAdonizedeki inkosi ya seJerusale-

ma wa tumela kuHohamu inkosi ya seHebroni, na kuPiramu inkosi ya seJarmuta, na kuJafia inkosi ya seLakisha, na kuDebiri inkosi ya seHeglioni, wa ti,

4 Kupukelani kimi, ni ngi size, si li cite iGibeoni; ngokuba li hlangene noJoshua nabantwana baka Israeli.

5 Amakosi amahlanu amaAmori, inkosi ya seJerusalema, inkosi ya seHebroni, inkosi ya seJarmuta, inkosi ya seLakisha, inkosi ya se Heglioni, a butana, enyuka, wona namabuto onke awo, a ngenisa nga seGibeoni, a lwa nalo.

6 Abantu ba seGibeoni ba tumela kuJoshua ekamu eGilali, ba ti, U nga shiyi izinceku zako; tyetya u kupukele kitina, u si sindise, u si size; ngokuba amakosi onke amaAmori akileyo ezintabeni a si hlanganyele.

7 uJoshua wa kupuka eGilgali, yena nabantu bonke bempi, namaqawe onke.

8 uJehova wa ti kuJoshua, U nga besabi; ngokuba ngi ba nikile esandhlani sako; a ku ko muntu kubo o nge ma pambi kwako.

9 uJoshua wa ba zuma; wa kupuka eGilgali ubusuku bonke.

10 uJehova wa ba cita pambi kwaba-Israeli, ba bulala abaningi nga seGibeoni, wa ba xotyxa ngendhlela e kupukela eBetihoroni, wa ba bulala ba za ba fika eAzeka na seMakeda.

11 Kwa ti, be sa balekela abaIsraeli, be sehla eBetihoroni, uJehova wa pousa pezu kwabo amatye amakulu, ehla ezulwini, ba za ba fika eAzeka, ba fa; ba be baningi abafayo ngesicoto ku nababulawa abaIsraeli ngenkamba.

12 Nga lesosikati uJoshua wa tyo kuJehova, ngosuku uJehova a wa nikela ngalo amaAmori pambi kwabantwana bakaIsraeli, wa ti emehlweni kaIsraeli; Langa, yima eGibeoni, nawe nyanga, emfundeni ya seAjalon.

13 Ilanga lema, neryanga ya hlala, abantu ba za ba zipindisela eziteni zabo. Loku a ku lotyiwe ini encwadini ka Jasher. Ilanga lema pezulu ezulwini, a li tyetyanga ukutyona kungati usuku lu pelele.

14 A lu bonanga lu ba kona usuku olu nje ngalo, ngapambili kwalo na ngasemva kwalo, ukuba uTixo a lalele izwi lomuntu; ngokuba uJehova wa ba lwe-la abaIsraeli.

15 uJoshua nabo bonke abaIsraeli ba buyela ekamu eGilgali.

16 Lawa amakosi amahlanu a baleka a catya emhumeni eMakeda.

17 Kwa bikwa kuJoshua ukuti, Lawa amakosi amahlanu a funyanisiwe a catyile emhumeni eMakeda.

18 uJoshua wa ti, Gingqelani amatye amakulu emlonyeni womhume, ni beke abantu kuwo, ukuba ba ba linde;

19 Ni nga libali; zi landeleni izita zenu, ni zi bulale ezi nga semva; ni nga zi yumeli ukuba zi ngene emizini yabo; ngokuba uJehova uTixo wenu u ba nikile esandhlени senu.

20 Kwa ti, uJoshua nabaka Israeli se be qedile ukubabulala ngokubulala okukulu, ba za ba pela, kepa abasindileyo ba baleka, ba ngena emizini ebizileweyo.

21 Abantu bonke ba buyela kahle ekamu kuJoshua eMakeda, kwa ku nge ko namunye owa kombayo ngolimi lwake kumuntu wakwabaka Israeli.

22 uJoshua wa ti, Vulani umnyango womhume, ni kipe lawa amakosi amahlanu emhumeni ni wa zisi kimi,

23 Benza njalo, ba kipa lawa amakosi amahlanu emhumeni, ba wa zisa kuye; inkosi ya seJerusalema, inkosi ya seHebroni, inkosi ya seJarmuta, inkosi ya seLakisha, inkosi ya seHegloni.

24 Kwa ti, se be wa kipele kuJoshua lawa amakosi, uJoshua wa ba biza abantu bonke bakaIsraeli, wa ti ezinduneni zabantu bemp, eza hamba naye, Sondelani, ni beke izinyawo zenu ezintanyeni zalawa amakosi. Ba sondela ba beka izinyawo zabo ezintanyeni zawo.

25 uJoshua wa ti kubo, Ni nga sabi, netuke; qinani, ni me isibindi; ngokuba uJehova u ya kwenza njalo kuzo zonke izita emi lwa nazo.

26 Emva kwa loko uJoshua wa wa tyaya, wa wa bulala, wa wa panyeka emitini e isihlanu; a lenga emitini kwa za kwa hlwa.

27 Kwa ti, ngesikati sokutyona kwelanga, uJoshua wa yala, ba wehlisa emitini, ba wa ponsa emhumeni lapa ba be catyile kona; ba beka amatye amakulu emlonyeni womhume, a kona na namhla.

28 Nga lolosuku uJoshua wa li ngoba iMakeda, wa li cita ngenkamba; wa i bulala inkosi yalo, yona nabantu bonke aba kulo, ka shiyanga namunye owasalayo, wenza enkosini ya seMakeda njengaloku wa enzile enkosini ya seJeriko.

29 uJoshua wa suka eMakeda nabo

bonke abaIsraeli, ba ya eLibna; wa lwa neLibna.

30 uJehova wa nikela nalo, nenkosi yalo, esandhlени sika Israeli; wa li cita ngenkamba, nabantu bonke aba kulo; ka shiyanga namunye kulo o wa salayo; wenza enkosini yalo njengokuba wa enzile enkosini ya seJeriko.

31 uJoshua wa suka eLibna nabo bonke abaIsraeli, ba ya eLakisha, ba ngenisa kulo, ba lwa nalo.

32 uJehova wa nikela iLakisha esandhlени sabaIsraeli; ba li ngoba ngosuku lwesibili, ba li cita ngenkamba, nabantu bonke aba kulo, njengako konke ba be kwenzile eLibna.

33 Nga lesosikati uHoramu inkosi ya seGezeri wa kupuka, ukuba a li size eLakisha; uJoshua wa ni bulala yena nabantu bake; ka m shiyelanga namunye o wa salayo.

34 uJoshua wa suka eLakisha nabo bonke abaIsraeli, ba ya eHegloni; ba ngenisa kulo, ba lwa nalo.

35 Ba li ngoba nga lolosuku, ba li cita ngenkamba; abantu bonke aba kulo wa ba qeda nga lolosuku, njengako konke a e kwenzile eLakisha.

36 uJoshua wa suka eHegloni nabo bonke abaIsraeli, ba ya eHebroni; ba lwa nalo;

37 Ba li ngoba ba li cita ngenkamba, nenkosi yalo, nemizi yonke yalo, nabantu bonke aba kulo; ka shiyanga namunye o wa salayo, njengako konke a e kwenzile eHegloni, wa li qeda nabantu bonke aba kulo.

38 uJoshua wa buyela eDebiri nabo bonke abaIsraeli, wa lwa nalo;

39 Wa li ngoba, nenkosi yalo, nemizi yonke yalo; ba i cita ngenkamba, ba qeda abantu bonke aba kulo; ka shiyanga namunye o seleyo; njengokuba wa enzile eHebroni wenza njalo na seDebiri, na senkosini yalo, njengokuba wa enzile eLibna na senkosini yalo.

40 uJoshua wa cita izwe lonke lezintaba nela seningizimu, nelemfunda nelezigodi, namakosi onke awo; ka shiyanga namunye, wa ba qeda bonke abapefunlayo njengokuyala kuka Jehova uTixo ka Israeli.

41 uJoshua wa ba cita ku suka eKadeshi kwa za kwa fika eGaza, nezwe lonke la seGosheni kwa za kwa fika eGibeoni.

42 Amakosi onke lawo nezwe lawo uJoshua wa wa ngoba ngasikati sinye;

ngokuba uJehova uTixo ka Israeli wa ba lwela abaIsraeli.

43 uJoshua wa buyela ekamu eGilgali, nabo bonke abaIsraeli.

ISAHLUKO 11.

**K**WA ti, uJabini inkosi ya seHazoni ke sezwa loko, wa tuma kuJobabe inkosi ya seMadoni, na senkosini ya se-Shimroni, na senkosini ya seAkshafa.

2 Na semakosini a senyakato, ezintabeni, na semfundeni nga seningizimu kweKinerota, na sesihlanjeni, na sezintabeni za seDori nga sempumalanga.

3 Na kuwo amaKenani nga sempumalanga na nga sentyonalanga, na kuwo amaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaJebusi, ezintabeni, namaHivi nga pansu kweHermoni ezweni la seMizpa.

4 Ba puma, bona namabuto abo; abantu abanengi, njengesihlabati esi sogwini lolwaudhle ngobuningi, nanahashi, nezinqola eziningi.

5 A butana lawo makosi onke, eza a ngenisa ndawonye nga semanzini a seMeroma, ukuba a lwe nabaIsraeli.

6 uJehova wa ti kuJoshua, U ngesabi ngenxa yabo; ngokuba ngomso nga lesisikati, ngi ya kubanikela, be bulewe, pambi kuka Israeli; u ya kunquma imisipa yamahashi abo, u tyise izinqola zabo ngomlilo.

7 Wa fika uJoshua nabo bonke abantu bempu, ba ba zuma nga semanzini a seMeroma, ba ba dumela.

8 uJehova wa ba nikela esandhleni sabaIsraeli; ba ba bulala, ba ba xotya ba za ba fika eZidoni elikulu, na seMisrefotaima, na semfundeni ya seMizpa nga sempumalanga; ba ba bulala; a ba shiyanga namunye o wa salayo.

9 uJoshua wenza kubo njengokutyoka kuka Jehova kuye; wa nquma imisipa yamahashi abo, wa tyisa izinqola zabo ngomlilo.

10 Wa buya uJoshua nga lesosikati, wa nqoba iHazoni, wa bulala inkosi yalo ngenkamba; ngokuba iHazoni la li inhloko yemibuso yonke ngapambili.

11 Ba bulala abantu bonke aba kulo, ba ba qeda; ka salanga namunye opefumlayo; wa tyisa iHazoni ngomlilo.

12 uJoshua wa nqoba imizi yonke ya lawo makosi, namakosi onke ayo, wa wa bulala ngobukali benkamba, wa wa qeda, njengokuyala kuka Mosi, inceku ka Jehova.

13 Kepa abaIsraeli ka ba tyisanga na-

munye umuzi owa u mi entabeni ngapandhle kweHazoni; uJoshua wa tyisa lowo kupela.

14 Abaka Israeli ba zipangela imfuyo yonke ya lemizi nezinkomo; kepa ba bulala abantu bonke ngenkamba, ba za ba ba qeda; a ba shiyanga namunye opefumlayo.

15 Njengaloku uJehova wa m yala uMosi, inceku yake, uMosi wa m yala uJoshua; wenza njalo uJoshua; ka yekanga into kuko konke uJehova a m yala uMosi ngako.

16 uJoshua wa li nqoba lelozwe lonke, izintaba, nezwe lonke la seningizimu, nezwe lonke la seGosheni, nesihlambo, nemfunda, nezintaba zika Israeli, nezihlambo zazo;

17 Ku suka entabeni ya seHalaka, enyukelayo eSira, ku ze ku fike eBalgadi, emfundeni ya seLebanoni, ngapansi kwentaba ya seHermoni; wa bamba amakosi onke abo, wa wa bulala, wa wa qeda.

18 uJoshua wa lwa na lawo makosi onke isikati eside.

19 Wa u nge ku umuzi owa hlangana nabaka Israeli, ngapandhle kwamaHivi, abantu ba seGiboni; ba i nqoba yonke eminye ngokulwa.

20 Ngokuba kwa ku ngokuka Jehova ukuqinisa izinhliziyi zabo, ukuba ba hlasele kubaIsraeli, ukuba a ba qede, ba be nge nakubaukelwa, kodwa a ba qede njengokuba uJehova wa m yala uMosi.

21 Nga lesosikati uJoshua weza, wa cita amaAnakime ezintabeni, eHebroni, eDebiri, eHanabi, na sezintabeni zonke za kwaJuda, na sezintabeni zonke za kwaIsraeli; uJoshua wa wa qeda kanye nemizi yawo.

22 Ka shiywanga amaAnakime ezweni labaka Israeli; a sala eGaza, na seGati, na seAshdodi kupela.

23 uJoshua wa tabata izwe lonke njengako konke a ku tyoyo uJehova kuMosi; uJoshua wa ba nika abaIsraeli lona, ukuba ba li fuye, njengokwabelwa kwabo ngezizwe zabo. Izwe la punula ekulweni.

ISAHLUKO 12.

**L**AWA a ngamakosi ezwe, aba wa bulalayo abaka Israeli, ba fuya izwe lawo, ngapesheya kweJordani, nga sempumalanga, ku suka emfuleni wa seArnoni ku ze ku fike entabeni ya seHer-

moni, na semfundeni ya sempumalanga;

2 uSihoni inkosi yamaAmori, owaka eHeshbone, e busa izwe eli suka eHaroberi, eli nga sogwini lomfula wa seArnoni, na pakati komfula, nenxenye ye-Giladi, li fika na seJakobi, umfula o ngumkaulo wabaka Amoni;

3 Nemfunda ku ze ku fike elwandhle lwa seKineroti nga sempumalanga, na selwandhle lwa semfundeni, ulwandhle luka Saoti, nga sempumalanga, endheleni e ya eBetejeshimoti, na nga seningizimu pansi kwezigodi za sePisga.

4 Nezwe lika Hogi inkosi yeBashani, owensalo yamaRafa, owaka eAshtaroti, na seEdrei,

5 Wa busa entabeni ya seHermoni, na seSalka, na seBashani lonke, ku ze ku fike emkaulweni wamaGeshuri namaMakati, nenxenye yeGiladi, umkaulo ka Sihoni inkosi ya seHeshbone.

6 uMosi, incekku ka Jehova, nabantwana baka Israeli ba ba bulala; uMosi, inekku ka Jehova, wa li nika kuwo amaRubeni namaGadi nenxenye yesizwe sika Manasa, li be izwe labo.

7 Lawa a ngamakosi ezwe aba wa bulalayo oJoshua nabaka Israeli, ngapeshaya kweJordani, ngasentyonalanga, ku suka eBalgadi emfundeni yaseLebanoni, ku ze ku fike entabeni ya seHalaka, enyukela eSira. uJoshua a zi nika lona izizwe zika Israeli, ukuba zi li fuye, njengokwabelwa kwazo;

8 Ezintabeni, na sezihlanjeni, na sezimfundeni, na sezigodini, na sehlane, na seningizimu, amaHiti, namaAmori, namaKenani, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi;

9 Inkosi ya seJeriko, inye; Inkosi ya seHai, eli nga seBeteli, inye;

10 Inkosi ya seJerusalem, inye; Inkosi ya seHebroni, inye;

11 Inkosi ya seJarmuta, inye; Inkosi ya seLakisha, inye;

12 Inkosi ya seHeglioni, inye; Inkosi ya seGezeri, inye;

13 Inkosi ya seDebiri, inye; Inkosi ya seGederi, inye;

14 Inkosi ya seHorma, inye; Inkosi ya seHaradi, inye;

15 Inkosi ya seLibna, inye; Inkosi ya seHadulamu, inye;

16 Inkosi ya seMakeda, inye; Inkosi ya seBeteli, inye;

17 Inkosi ya seTapua, inye; Inkosi ya seHeferi, inye;

18 Inkosi ya seAfeki, inye; Inkosi ya seLasharoni, inye;

19 Inkosi ya seMadoni, inye; Inkosi ya seHazori, inye;

20 Inkosi ya seShimrone-meroni, inye; Inkosi ya seAkshafa, inye;

21 Inkosi ya seTanaki, inye; Inkosi ya seMegido, inye;

22 Inkosi ya seKedeshi, inye; Inkosi ya seJokneamu, eKarmeli, inye;

23 Inkosi ya seDori, Nafotidori, inye; Inkosi yezizwe, eGilali, inye;

24 Inkosi ya seTireza, inye; Amakosi onke a e ngumashumi amatatu nanye.

### ISAHLUKO 13.

**U**JOSHUA wa e semdala e nezinsuku; uJehova wa ti kuye, Wena u su mdala, u nezinsuku, kepa izwe lokudhliwa eli seleyo li kulu kakulu.

2 Leli li izwe eliseleyo; amazwe onke amaFilisti, nalo lonke iGeshuri,

3 Ku suka eSihori, eli nga pambili kwEgipite, ku ze ku fike emkaulweni wa seHekroni, nga senyakato, izwe eli tiwa elamaKenani; amakosi amahlanu amaFilisti; amaGaza, namaAshdodi, namaAshkeloni, amaGiti, namaHekroni, namaHavi;

4 Nga seningizimu; izwe lonke lamaKenani, neMehara, eli ngelamaZidoni, ku ze ku fike eAfeki, ku ze ku fike emkaulweni wamaAmori;

5 Nezwe lamaGibli, nalo lonke iLebanoni, nga sempumalanga, ku suka eBalgadi pansi kwentaba ya seHermoni ku ze ku ngene eHamati.

6 Abantu bonke ba sezintabeni, ku suka eLebanoni ku ze ku fike eMisrefot-maima, namaZidoni onke, ngi ya ku wa xotya pambi kwabakaIsraeli; kepa ba babele abaIsraeli izwe ngenkato, ba li fuye njengokukuyala kwami.

7 Zabeleke izizwe ezi shiyagalolunye nenxenye yesizwe sika Manasa lelizwe, zi li fuye.

8 AmaRubeni namaGadi kanye nayo a lamkela izwe labo, a wa nika lona uMosi ngapeshaya kweJordani ngasempumalanga, njengokuba uMosi, inekku ka Jehova, wa wa nika;

9 Ku suka eHarokeri, eli nga sogwini lomfula iArmoni, nomuzi o pakati komfula, netafa lonke la seMedeba ku ze ku fike eDibone;

10 Nemizi yonke ka Sihoni, inkosi yamaAmori, owa busa eHeshbone ku ze ku fike emkaulweni wabaka Amoni;

11 NeGiladi, nomkaulo wamaGeshuri namaMaka, nayo yonke intaba, iHermoni, neBashani lonke ku ze ku fike eSalka;

12 Umbuso wonke ka Hogi eBashani, owa busa eAstarote na seEdrei; yena wa sala kuyo insalo yamaRafa; lawo uMosi a wa bulala, wa wa xotya.

13 Kepa abaka Israeli a ba xotyanga amaGeshuri namaMaka; amaGeshuri namaMaka akile pakati kwabaIsraeli ku ze ku be namhla.

14 Kodwa isizwe sika Levi ka si nika-nga izwe: iminikelo ka Jehova uTixo ka Israeli i imfuyo yaso, njengokutyo kwake kuso.

15 uMosi wa si nika isizwe sabaka Rubeni ngenzalo yabo.

16 Umkaulo wabo wa suka eAroeri, eli nga sogwini lomfula iArnoni, nomuzi o pakati komfula, netafa lonke la seMedeba;

17 iHeshbone, nemizi yonke yalo e se- tafeni, iDibone, neBamotebali, neBetalmeoni,

18 neJahaza, neKedemoti, neMafati,

19 neKirjathaimi, neSibma, neZareti- shahari entabeni ya sesihlanjeni,

20 neBeth-peori, nesigodi za sePisga, neBeth-jesimote,

21 Nemizi yonke yetafa, nombuso wonke ka Sihoni, inkosi yamaAmori, owa busa eHeshbone, a m bulalayo uMosi, kanye namakosana a seMidiani, uEvi, noRekemu, noZuri, noHuri, noReba, izinduna zika Sihoni, zakile ezweni.

22 Naye uBalami, indodana ka Beori, isanusi, ba m bulala abantwana baka Israeli ngenkamba kanye nabo ababula- wa ibo.

23 Umkaulo wabaka Rubeni wa u iJordani, nomkaulo walo. Leli la li izwe labantwana baka Rubeni, ngenzalo yabo, imizi nemizana yabo.

24 uMosi wa si nika isizwe sika Gadi, abantwana baka Gadi, ngenzalo yabo.

25 Umkaulo wabo wa u iJazeri, nemizi yonke ya seGiladi, nenxenye yezwe labantwana baka Amoni ku ze ku fike eAroeri eli nga pambili kweRaba;

26 Ku suka eHeshbone ku ze ku fike eRamatinizpa, neBetonimi; ku suka eMahanami ku ze ku fike emkaulweni wa seDebiri;

27 Na sesihlanjeni, iBetaramu, neBethuimra, neSukoti, neZafoni, nensalo yombuso ka Sihoni, inkosi ya seHeshbone, iJordani nomkaulo walo, ku ze ku

fike ekupeleni kolwandhle lwa seKine- reti, nga pesheya kweJordani nga se- mpumalanga.

28 Leli li izwe labantwana baka Gadi, ngenzalo yabo, imizi nemizana yabo.

29 uMosi wa i nika iuxenye yesizwe sika Manasa izwe, la li elenxenye yesi- zwe sabaka Manasa ngenzalo yabo.

30 Umkaulo wabo wa suka eMaha- nami, iBashani lonke, umbuso wonke ka Hogi, inkosi wa seBashani, nayo yonke imizi ka Jaire, e seBashani, imizi emashumi a isitupa.

31 Nenxenye yeGiladi, neAstarote, neEdrei, imizi yombuso ka Hogi, eBa- shani, ya i eyabantwana baka Makiri, indodana ka Manasa, eyenxenye yabaka Makiri ngenzalo yabo.

32 Lawa a ngamazwe a wabayo uMosi ematafeni ka Moabi, nga pesheya kwe- Jordani, nga seJeriko, nga sempuma- langa.

33 Kepa uMosi ka si nikaunga isizwe sika Levi izwe; uJehova uTixo ka Isra- eli u imfuyo yabo, njengokutyo kwake kubo.

#### ISAHLUKO 14.

**L**AWA a ngamazwe a ankelwa abaka Israeli, ezweni la seKenani, aba ba- bela wona oEleazari umpristi, noJoshua indodana ka Nuni, nezikulu za oyise be- zizwe zabaka Israeli;

2 Ngenkato yezwe labo, njengokuyala kuka Jehova ngesandhla sika Mosi, ele- zizwe ezishiyagalolunye nenxenye ye- sizwe.

3 Ngokuba uMosi wa e zi nikile izi- zwe ezimbili nenxenye yesizwe izwe pe- sheya kweJordani, kodwa ka ba nika- nga abaLevi izwe.

4 Ngokuba abaka Josefa ba be izizwe ezibili, uManasa noEfraimi; a ba ba ni- kanga abaLevi isabelo ezweni; kupela imizi yokuhlala, namadhlelo ayo, eye- mihlambi yabo, neyemfuyo yabo.

5 Njengaloku uJehova wa yala uMo- si, beza njalo abakaIsraeli; ba labela izwe.

6 Abaka Juda beza kuJoshua eGilgali; uKalebi indodana ka Jefuna, umKena- zi, wa ti kuye, U yazi wena izwi a li tyoyo uJehova kuMosi, umuntu ka Tixo, ngami na ngawe, eKadesh-barnea.

7 Be ngi neminyaka emashumi amane ubudala bami, lapo uMosi inceku ka Jehova, wa ngi tuma ngi suka eKadesh- barnea ukuya kuhlola izwe; nga bu- ya nezwi njengoku senhliziyweni yami.

8 Kefa abafu wetu, aba kupuka nami, ba nebilikisa inhliziyo yabantu; kodwa mina nga m landela uJehova, uTixo wami nempela.

9 uMosi wa funga ngalolosuku, wa ti, Ngi ya qinisa, umhlabati, ezi nyatele kuwo izinyawo zako, u ya kuba izwe lako, nelabantwana bako ku ze ku be pakade, ngokuba u landele uJehova uTixo wami.

10 Kaloku, bheka, uJehova u ngi pilisile, njengokutyo kwake, leminyaka emashumi amane nesihlanu, iloku uJehova wa tyo lelizwi kuMosi, abaIsraeli be sa hamba ehlane; kaloku, bheka, se ngi neminyaka emashumi a shiyagalombili nesihlanu ubudala bami.

11 Ngi se namandhla namhla njenga ngosuku uMosi a ngi tuma ngalo; nje ngamandhla ami ngalesosikati, a njalo kaloku, ekulweni, na sekupumeni na sekungeneni.

12 Kaloku a ku ngi nike lentaba, a kuluma ngayo uJehova nga lolosuku, ngokuba wezwa wena nga lolosuku ukuti, amaAnakime a e kona nemizi emikulu e biyelweyo; mhlambe uJehova u ya kuba nami, kona ngi ya kuwaxotya, njengokutyo kuka Jehova.

13 uJoshua wa m busisa, wa m nika uKalebi indodana ka Jefuna iHebroni li be izwe lake.

14 Ngako iHebroni la ba izwe lika Kalebi, indodana ka Jefuna, umKenazi, ku ze ku be namhla; ngokuba wa m landela uJehova uTixo ka Israeli nempela.

15 Kuqala igama leHebroni la li iKirjatarba; yena uArba wa e ngumuntu omkulu pakati kwamaAnakime. Izwe la pumula ekulweni.

### ISAHLUKO 15.

**I**ZWE lesizwe sabaka Juda ngenzalo yabo la li semkaulweni wa seEdomi, ihlane la seZini nga seningizimu, nga sekugeineni kwezwe la seningizimu.

2 Umkaulo wabo nga seningizimu wa suka ekugeineni kolwandhle luka Saoti, etekwini eli bheka nga seningizimu.

3 Wa ya cealeni la seningizimu ekwenyukeni kwa seAkrabimi, wa dhlula wa ya eZini, wenyukela cealeni la seningizimu la seKadesh-barnea, wa dhlula wa ya eHezroni, wenyukela eAdari, wa penduka wa ya eKarka;

4 Wa dhlula wa ya nga seAzmoni, wa ya emfuleni wa seEgipite; ukugeina ko-

mkaulo kwa ku selwandhle; lo u ya kuba umkaulo wenu nga seningizimu.

5 Umkaulo nga sempumulanga wa u ulwandhle luka Saoti, ku ze ku fike ekugeineni kweJordani; umkaulo ngasenyakato wa suka etekwini lolwandhle, ekugeineni kweJordani;

6 Umkaulo wenyukela eBethogla, wa dhlula wa ya nga senyakato kweBeta-raba; umkaulo wenyukela etyeni lika Bohanu, indodana ka Rubeni.

7 Umkaulo wenyukela nga seDebiri, u suka esihlanjeni sa seAkori, wa pendukela nga senyakato, nga seGigali, eli bhekana nokwenyukela eAdumi, eli nga seningizimu komfula; umkaulo wa dhlulela emanzini a seEnshemeshi; ukugeina kwawo kwa ku nga seEnrogeli;

8 Umkaulo wenyukela esihlanjeni sendodana ka Hinomi, nga seceleni eli nga seningizimu, kweJebusi; leli li iJerusalama; umkaulo wenyukela esihlokwini sentaba e nga pambili kwesihlambosika Hinomi nga sentyonalanga, esi sekugeineni kwesihlambo samaRafa nga senyakato;

9 Umkaulo wa datyulwa, wa suka esihlokwini sentaba wa ya emtonjeni wamanzi a seNeftoa, wa ya emizini ya sentabeni ya seEfroni; umkaulo wa datyulwa wa ya eBala, li iKirjatihearimi;

10 Umkaulo wa penduka eBala, wa ya nga sentyonalanga entabeni ya seSira, wa dhlulela cealeni leHarjearimi nga senyakato, li iKesaloni, wehlela eBethemeshi, wa dhlulela eTimna;

11 Umkaulo wa ya cealeni la seEkroni nga senyakato; umkaulo wa datyulwa wa ya eShikroni, wa dhlulela entabeni ya seBala, wa ya eJabneli; ukugeina komkaulo kwa ku solwandhle.

12 Umkaulo nga sentyonalanga wa u ulwandhle olukulu nomkaulo walo. Lo umkaulo wabaka Juda inxa zonke ngenzalo yabo.

13 Wa m nika uKalebi, indodana ka Jefuna, isabelo pakati kwabantwana baka Juda ngokutyo kuka Jehova kuJoshua, wa m nika umuzi ka Arba, uyise ka Anaki, lomuzi u illebroni.

14 uKalebi wa xotya kona amadodana amatatu ka Anaki, uSheshai, noAhi-mani, noTalmi, amadodana ka Anaki.

15 Wa kupuka kona wa ya ebantwini ba seDebiri; kuqala igama leDebiri la li iKirjatiseferi.

16 uKalebi wa ti, Lowo o cita iKirjati-

seferi, a li tabate, ngi ya kumnika uHaksa, intombazana yami i be umkake.

17 Wa suka uOtnieli, indodana ka Kenazi, umfo wabo ka Kalebi, wa li tabata; wa m nika uHaksa intombazana yake wa ba umkake.

18 Kwa ti ekuzeni kwake, wa m yusa ukuba a cele izwe kuyise; wehla embongolweni; uKalebi wa ti kuye, U funani na?

19 Wa ti, Ngi pe isibusiso; ngokuba u ngi nikile izwe la seningizimu; ngi nike nemitombo yamanzi; wa m nika imitombo ya senhla, nemitombo ya senzansi.

20 Leli li izwe lesizwe sabaka Juda ngenzalo yabo.

21 Imizi, e sekugcineni kwesizwe sabaka Juda nga semkaulweni wa seEdomi nga seningizimu, ya i iKabelzi, neEderi, neJaguri,

22 neKina, neDimona, neHadada,

23 neKedeshi, neHazori, neItnani,

24 neZifi, neTelemu, neBealoti,

25 neHazor-hadata, neKeriothezroni, li iHazori,

26 iAmamu, neShema, neMolada,

27 neHazargada, neHeshmoni, neBeth-paleti,

28 neHazarshuali, neBeresheba, neBizjotija,

29 iBala, neFimi, neAzema,

30 neEltoladi, neKesili, neHorma,

31 neZiklagi, neMadmana, neSansana,

32 neLebaoti, neShilhimi, neAine, neRimoni; imizi yonke i ngamashumi amabili neshiyagalolunye, nemizana yayo.

33 Na sesihlanjeni, iEshtaoli, neZora, neAshna,

34 neZanoa, neEnganimi, neTapua, neHenamu,

35 iJarmuta, neAdulamu, neSoko, neHazeka,

36 neSharaimi, neHaditaimi, neGedera, neGederotaimi; imizi e ishumi nane, nemizana yayo.

37 iZenani, neHadasha, neMigdalgadi.

38 neDileani, neMizpa, neJokteli,

39 iLakisha, neBozkati, neEgloni,

40 neKaboni, neLamami, neKitlishi,

41 neGederoti, iBetdagoni, neNama, neMakeda; imizi e ishumi nesitupa nemizana yayo;

42 iLibna, neHeteri, neAshani,

43 neJifta, neAshna, neNezibi,

44 neKehila, neAkizibi, neMaresha; imizi eshiyagalolunye nemizana yayo;

45 iEkroni, nemizi nemizana yalo;

46 Ku suka eHebroni na nga sentyonalanga, konke oku nga seAshdodi nemizana yalo.

47 iAshdodi, imizi yalo nemizana yalo; iGaza, imizi yalo nemizana yalo, ku ze ku fike emfuleni wa seGipite, nolwandle olukulu, nomkaulo walo.

48 Na sezintabeni, iShamiri, neJatiri, neSoko,

49 neDana, neKirjatsana, eli iDebiri,

50 neHanabi, neEshtemo, neHanami,

51 neGosheni, neHoloni, neGilo; imizi e ishumi nanye; nemizana yayo.

52 iArabi, neDuma, neEsheani,

53 neJanumi, neBetapua, neAfeka,

54 neHunta, neKirjatarba, eli iHebroni, neZiori; imizi eshiyagalolunye nemizi yayo.

55 iMaoni, iKarmeli, neZifi, neJuta,

56 neJezreli, neJokdeamu, neZanoa,

57 iKani, iGibea, neTimna, imizi e ishumi, nemizana yayo;

58 iHalhuli, iBetzuri, neGedori,

59 neMarati, neBetanoti, neEltekon; imizi e isitupa, nemizana yayo;

60 iKirjatbali, eli iKirjatjearimi, neReba; imizi emibili nemizana yayo.

61 Ehlane, iBetaraba, iMidini, neSekaka,

62 neNibshani, nomuzi ka Saoti, neEngedi, imizi e isitupa, nemizana yayo.

63 Kodwa amaJebusi, abantu ba seJerusalema, abaka Juda ba be nge nakuwaxoty; amaJebusi akile eJerusalema nabaka Juda ku ze ku be namhla.

## ISAHLUKO 16.

**I**ZWE ababelwa lona abaka Josefa, la suka eJordani nga seJeriko, emanzini a seJeriko, nga sempumalanga, la ya ehlane elenyuka eJeriko ukuya entabeni ya seBeteli,

2 La suka eBeteli, la ya eLuzi, la dhulela emkaulweni wamaArki eAtarote,

3 Lehlela nga sentyonalanga emkaulweni wamaJafleti, la za la fika emkaulweni wa seBetilhoroni la senzansi, na seGazeri; ukugcina kwalo kwa ku selwandle.

4 Kwa njalo abantwana baka Josefa, uManasa noEfraimi, ba lamkela izwe labo.

5 Umkaulo wabaka Efraimi wa u ngenzalo yabo; umkaulo wezwe labo nga sempumalanga wa u iHatarotadari, la za la fika eBetilhoroni, la senhla,

6 Umkaulo wa pumela nga selwandle

eMikmeta eceleni nga seningizimu; umkaulo wa penduka wa ya nga sempumalanga eTanatshilo, wa li dhlula nga sempumalanga wa ya eJanoha;

7 Wehla eJanoha wa ya eAtarote, na seNarati, wa fika eJeriko, wa pumela eJordani.

8 Umkaulo wa suka eTapua wa ya nga sempumalanga emfuleni wa seKana; ukugcina kwawo kwa ku selwandhle; leli li izwe lesizwe sabaka Efraimi ngenzalo yabo;

9 Nayo imizi eya ketelwa abaka Efraimi pakati kwezwe labaka Manasa, imizi yonke nemizana yayo.

10 Kodwa a ba xotyanga amaKenani a akile eGezeri; amaKenani akile pakati kwamaEfraimi na namhla, a konga ngokusebenza.

ISAHLUKO 17.

**K**WA ku kona izwe lesizwe sika Manasa; ngokuba yena wa e ngowamazibulo ka Josefa; ukuti, elika Makiri owamazibulo ka Manasa, uyise kaGiladi, ngokuba wa e ngumuntu wempi; wa e neGiladi neBashani.

2 Kwa ku kona izwe labanye abaka Manasa ngenzalo yabo; elabantwana baka Abiezeri, nelabantwana baka Heleki, nelabantwana baka Asrieli, nelabantwana baka Shekemi, nelabantwana baka Heferi, nelabantwana baka Shemida; laba ba be ngabantwana besilisa baka Manasa, indodana ka Josefa, ngenzalo yabo.

3 uZelofehade, indodana ka Heferi, indodana ka Giladi, indodana ka Makiri, indodana ka Manasa, we e nge nabafana, wa e namantombazana odwa; lawa wa ngamagama amantombazana ake, uMala, noNoa, uHogla, uMilka, noTirza.

4 Ba ya ba sondela pambi kuka Elezari umpristi, na pambi kuka Joshua indodana ka Nuni, na pambi kwamakosi, ba ti, uJehova wa yala uMosi ukuba a si nike izwe pakati kwabafu wetu; ngako wa ba nika izwe pakati kwabafu wabo baka yise njengokutyo kuka Jehova.

5 uManasa wamkeliswa izabelo ezi ishumi, ngapandhle kwezwe la seGiladi neBashani, eli ngapesheya kweJordani;

6 Ngokuba amadodakazi ka Manasa amkeliswa izwe pakati kwamadodana ake; amanye amadodana ka Manasa a e nezwe la seGiladi.

7 Umkaulo ka Manasa wa suka eAsheri wa ya eMikmeta, eli ngapanbi kweShekemi; umkaulo wa ya ngakwesokunene ebantwini ba seEntapua.

8 uManasa wa e nezwe la seTapua; kepa iTapua, eli semkaulweni ka Manasa ba be nalo abantwana baka Efraimi;

9 Umkaulo wehlela emfuleni wa seKana, nga seningizimu komfula. Lemizi ya i eka Efraimi, pakati kwemizi ka Manasa; umkaulo ka Manasa wa u kona na nga senyakato komfula; ukugcina kwawo kwa ku selwandhle.

10 Nga seningizimu kwa ku izwe lika Efraimi, nga senyakato kwa ku elika Manasa; ulwandhle lwa lu umkaulo wake; ba fikela kwaAsheri nga senyakato, na kwaIsakari nga sempumalanga.

11 KwaIsakari na kwaAsheri uManasa wa e neBetshani nemizana yalo, neIblamu nemizana yalo, nabantu ba seDori nemizana yalo, nabantu ba seEndori nemizana yalo, nabantu ba seTahanaki nemizana yalo, nabantu ba seMegldo nemizana yalo, imizi emitatu epakamileyo.

12 Abaka Manasa ba be nge namandhla okwahlula leyomizi; amaKenani a tanda ukuhlala ku lelozwe.

13 Kwa ti, abaka Israeli, lapo se be namandhla, ba wa telisa amaKenani ukuba a konze ngokusebenza; a ba wa xotyanga.

14 Abaka Josefa ba tyo kuJoshua, ba ti, U ngi nikeleni isabelo sinye, izwe lami li be li nye kupela, loku ngi isizwe esikulu, loku uJehova u ngi busisile ku ze ku be manje?

15 uJoshua wa ti kubo, Uma u isizwe esikulu suka u ye ehlatini, u zigaulele kona ezweni lamaPerizi nelamaRafa, uma intaba ka Efraimi i nga kwanela.

16 Abaka Josefa ba ti, Lentaba a i saneli; amaKenani onke akileyo ezweni la sesihlanjeni a nezinqola zeusimbi, lawo a seBetshani nemizi yalo, na lawo a sesihlanjeni sa seJezreli.

17 uJoshua wa tyo kwabaka Josefa, kuEfraimi na kuManasa, wa ti, U isizwe esikulu, u namandhla amakulu, a u yi kuba nezwe linye kupela;

18 Kepa intaba yo ba eyako; i ihlati; wo li gaula; izinkalo zalo zo ba ezako; ngokuba u ya kuxotyamaKenani, noma e nezinqola zensimbi, noma e namandhla kakulu.



ISAHLUKO 18.

**I**SIZWE sonke sabaka Israeli sa butana eShilo, ba misa kona itabanekele lokuhlalanga; izwe la nqotywa ibo.

2 Kwa ku sele kwabaka Israeli izizwe ezi isikombisa ezi ngabelwanga amazwe azo.

3 uJoshua wa ti kwabaka Israeli, Ni ya kulibala ku ze ku be nini ukuya kuthabata izwe a ni nikile lona uJehova, uTixo wa oyihlo?

4 Kipani kini abantu abatatu izizwe ngezizwe; ngi ya kubatuma, ukuba besuke, ba hamele ezweni, ba li lobe ngefa labo, ba buyele kimi.

5 A ba li dabule li be izabelo ezi isikombisa; abaka Juda ba ya kuhlala ezweni labo nga seningizimu; nabakaJosefa ba ya kuhlala ezweni labo nga senyakato.

6 A no loba izwe, ku be izabelo ezi isikombisa, ni ku lete lapa kimi; ukuba ngi nenzele inkato lapa pambi kuka Jehova uTixo wetu.

7 Kepa abaLevi a ba naso isabelo pakati kwenu; ubupristi buka Jehova bu ifa labo; oGadi, noRubeni, nenxenye yesizwe sika Manasa bamkeliswe ifa labo ngapheya kweJordani nga sempumalanga, a ba nika lona uMosi, ineku ka Jehova.

8 Labobantu besuka, ba hamba; uJoshua wa ba yala abahambayo ukuba ba lobe izwe, wa ti, Hambani ni ye ni hamele ezweni, ni li lobe, ni buyele kimi, ukuba ngi nenzele inkato lapa pambi kuka Jehova eShilo.

9 Abantu ba hamba, ba dhlula ezweni, ba li loba ngemizi, kwa ba izabelo ezi isikombisa enwadini, ba buya beza kuJoshua ekamu eShilo.

10 uJoshua wa benzela inkato eShilo pambi kuka Jehova; uJoshua wa babala kona abaka Israeli izwe njengezabelo zabo.

11 Isabelo sesizwe sabaka Benjamini sa si ngezindhlu zabo; umkaulo wesabelo sabo wa dabula pakati kwabaka Juda nabaka Josefa.

12 Umkaulo wabo nga senyakato wesuka eJordani; umkaulo wenyukela ngaseJeriko nga senyakato, wenyukela entabeni nga sentyonalanga; ukugcina kwawo kwa ku ngasehlani la seBetaveni.

13 Umkaulo wesuka lapo wa ya ngaseLuzi, nga seceleni la seLuzi (eli iBeteli) nga seningizimu; umkaulo wehlela eAtarotadari, nga sentabeni e nga seningizimu kweBethihoroni la senzansi;

14 Umkaulo wa dhlula, wa pendukela ngasecaleni la sentyonalanga nga seningizimu; u suka entabeni e ngapambi kwa seBethihoroni nga seningizimu; ukugcina kwawo kwa ku seKirjatbali, eli iKirjatjearimi, umuzi wabaka Juda; lo wa u umkaulo wa nga sentyonalanga.

15 Ieala la seningizimu la suka ekugcineni kweKirjatjearimi; umkaulo wa ya nga sentyonalanga, wa ya emtonjeni wamanzi a seNeftoa.

16 Umkaulo wehlela ekugcineni kwentaba e ngapambi kwesihlambo sendodana ka Hinomi, esi sesihlanjeni samaRefa nga senyakato, wehlela esihlanjeni sika Hinomi, ecaleni la seJebusi nga seningizimu, wehlela eEnrogeli,

17 Wa dhlula nga senyakato, wa ya eEnshemeshi, wa ya ngaseGelioti, eli ngapambi kokwenyuka ukuya eAdumimi, wehlela etyeni lika Bohanu indodana ka Rubeni,

18 Wa dhlula wa ya nga seceleni eli ngapambi kwa seAraba nga senyakato, wehlela eAraba;

19 Umkaulo wa dhlula wa ya ecaleni leBethogla nga senyakato; ukugcina komkaulo kwa ku setekwini la senyakato lolwandhle luka Saoti ekugcineni kweJordani nga seningizimu. Lo wa umkaulo wa nga seningizimu.

20 iJordani la li umkaulo nga sempumalanga. Leli li izwe labaka Benjamini ngemikaulo yalo inxa zonke, ngezindhlu zabo.

21 Imizi yesizwe sabaka Benjamini, ngezindhlu zabo, ya i iJeriko, neBethogla, neEmekkezizi,

22 neBetaraba, neZemaraimi, neBeteli.

23 neAvimi, nePara, neOfra,

24 neKefarhamonai, neOfni, neGaba; imizi e ishumi nambili nemizana yayo.

25 neGibeoni, neRama, neBeroti,

26 neMizpa, neKefira, neMoza,

27 neRekemu, neIrpeli, neTarala,

28 neZela, neElefa, neJebusi, (eli iJerusalem,) neGibeati, neKirjati; imizi e ishumi nane nemizana yayo. Leli li izwe labaka Benjamini ngezindhlu zabo.

ISAHLUKO 19.

**I**SABELO sesibili sa si esika Simeoni, esesizwe sabaka Simeoni ngezindhlu zabo; izwe labo la li ngapakati kwezwe labaka Juda.

2 Ezweni labo ba be neBeresheba, neSheba, neMolada,

3 neHazarshuali, neBala, neAzema,  
4 neEltoladi, neBetuli, neHorma,  
5 neZiklagi, neBetmarkaboti, neHezar-  
susa,

6 neBetlebaoti, neSharuheni; inizi e  
ishumi nantatu nemizana yayo.

7 neAine, neRimoni, neHeteri, ne-  
Ashani; imizi emine nemizana yayo;

8 Nemizana yonke eya i kona e nga  
kulemizi kwa za kwa fika eBalatberi,  
eRama la seningizimu. Leli li izwe  
lesizwe sabaka Simeoni ngezindhlu  
zabo.

9 Izwe labaka Simeoni la vela esabe-  
lweni sabaka Juda; ngokuba isabelo sa-  
baka Juda sa si sikulu, ka ba sanela;  
ngako abaka Simeoni babelwa izwe pa-  
kati kwezwe labo.

10 Isabelo sesitatu sa si esabaka Zebu-  
loni ngezindhlu zabo; umkaulo wezwe  
labo wa fika eSeride,

11 Umkaulo wabo wenyukela nga sen-  
tyonalanga na seMarala, wa finyelela  
eDabashete, wa finyelela na semfuleni  
o ngapambi kweJokneamu;

12 Wa penduka eSaride ngapambili,  
nga sempumalanga, wa ya emkaulweni  
wa seKislottabori, wesuka wa ya eDabe-  
rati, wenyukela eJafia,

13 Wesuka lapo, wa dhlulela pambili,  
nga sempumalanga, wa ya eGitaheferi,  
naseItakazini, wa ya eRemonitoari na  
seNea;

14 Umkaulo wa pendukela kulo nga-  
senyakato, wa ya eHanatoni; ukugci-  
na kwawo kwa ku sesihlanjeni sa se-  
Jiftaheli;

15 neKatati, neNahalali, neShimroni,  
neIdala, neBetlehema; imizi e ishumi  
nambili nemizana yayo.

16 Leli li izwe labaka Zebuloni nge-  
zindhlu zabo, lemizi nemizana yalo.

17 Isabelo sesine sa si e sika Isakari,  
e sabaka Isakari ngezindhlu zabo.

18 Umkaulo wabo wa u ngaseJezreli,  
na seKesuloti, na seShunemu,

19 Na seHafuraimi, na seShihoni, na  
seAnaharati,

20 Na seRabiti, na seKishioni, na se-  
Abezi,

21 Na seRemeti, na seEnganimi, na  
seEnhada, na seBetpazezi;

22 Umkaulo wa finyelela eTabori, na  
seShahazima, na seBetishemeshi; uku-  
gcina komkaulo wabo kwa ku nga seJor-  
dani; imizi e ishumi nesitupa nemizana  
yayo.

23 Leli li izwe lesizwe sabaka Isa-

kari ngezindhlu zabo, imizi nemizana  
yayo.

24 Isabelo sesihlanu sa si e sesizwe  
sabaka Asheri ngezindhlu zabo.

25 Umkaulo wabo wa u iHelkati, ne-  
Hali, neBeteni, neAkshafa,

26 neAlameleki, neAmadi, neMishea-  
li, wa finyela eKarmeli nga sentyonalan-  
ga, na seShihorlibnati;

27 Wa pendukela nga sempumalanga,  
wa ya eBetdagoni, wa finyelela eZebu-  
loni, na sesihlanjeni seJiftaheli nga sen-  
yakato kweBetemeki, neNeyeli, wa ya  
eKabuli ngasekohlo,

28 Na seHebroni, na seRehobi, na se-  
Hamoni, na seKana, wa za wa fika eZi-  
doni elikulu;

29 Umkaulo wa pendukela eRama, na  
seTire umuzi o inqaba; umkaulo wa pen-  
dukela eHosa; ukugecina kwawo kwa  
ku selwandhle ezweni la seAkzibi,

30 Na seUma, na seAfeki, na seReho-  
bi; imizi emashumi amabili nambili ne-  
mizana yayo.

31 Leli li izwe lesizwe sabaka Asheri  
ngezindhlu zabo, lemizi nemizana ya-  
yo.

32 Isabelo sesitupa sa si e sabaka Naf-  
tali, e sabaka Naftali ngezindhlu zabo.

33 Umkaulo wabo wa u seHelefi na  
seAloni, la seZanamini, na seAdami, na  
seNekebi, na seJabneli, wa za wa fika  
eLakumi; ukugecina kwawo kwa ku se-  
Jordani;

34 Umkaulo wa pendukela nga sentyo-  
nalanga, wa ya eAznottabori, wesuka  
lapo wa ya eHukoki, wa finyelela eZe-  
buloni nga seningizimu, wa finyelela  
eAsheri nga sentyonalanga, na kwa Juda  
eJordani nga sempumalanga.

35 Imizi evikelweyo iZidimi, neZeri,  
neHamati, neRakati, neKineroti,

36 neAdama, neRama, neHazori,

37 neKedeshi, neEdrei, neEnhazori,

38 neIroni, neMigdaleli, neIforemi, ne-  
Betanati, neBetishemeshi; imizi e ishumi  
nesishiyagalolunye nemizana yayo.

39 Leli li izwe lesizwe sabaka Naftali  
ngezindhlu zabo, imizi nemizana yayo.

40 Isabelo sesikombisa sa si e sesizwe  
sabaka Dani ngezindhlu zabo.

41 Umkaulo wezwe labo wa u iZora,  
neEshtaoli, neIrshemeshi,

42 neShalabini, neAjalonni, neJetla,

43 neEloni, neTinnata, neEkroni,

44 neElteke, neGibetoni, neBalati,

45 neJehudi, neBeneberaki, neGatri-  
moni,

46 neMejarkoni, neRakoni, kanye no-  
mkaulo pambi kweJafo.

47 Umkaulo wabaka Dani wa puma  
kubo; abaka Dani benyuka, ba hlasela  
eLeshemu, ba li tabata, ba li cita nge-  
nkemba, ba li dhla, baka kulo, ba qamba  
iLeshemu iDani ngegama lika Dani,  
uyise wabo.

48 Leli li izwe lesizwe sabaka Dani  
ngeziindhlu zabo, lemizi nemizana yayu.

49 Se be qedile ukubabela izwe, aba-  
kaIsraeli ba m nika uJoshua indodana  
ka Nuni izwe pakati kwabo.

50 Ngokutyo kuka Jehova ba m nika  
umuzi a u celayo, iTimmatsera, entabe-  
ni ka Efraimi; waka umuzi, wa hlala  
kuwo.

51 Lawa a ngamazwe, uElezari um-  
pristi, noJoshua indodana ka Nuni, ne-  
zikulu za oyise bezizwe zabaka Israeli,  
aba wabayo ngenkato, eShilo pambi ku-  
ka Jehova, emnyango wetabanekele lo-  
kublangana. Ba qeda ukwaba izwe.

#### ISAHLUKO 20.

**U**JEHOVA wa tyo kuJoshua, wa ti,  
2 Yityo kwabaka Israeli, u ti, Zimi-  
seleni imizi yokubalekela, enga kuluma  
ngayo kini ngoMosi,

3 Ukuba umbulali o bulala umuntu  
ngengozu na ngokungazi a balekele ku-  
yo; yo ba imizi yenu yokupepa ni nga  
bulawa umpindisi wegazi.

4 Uma umuntu e balekela komunye  
umuzi kuleyo mizi, e me nga sesangweni  
lomuzi, a kulume amazwi ake ezindhle-  
beni zamalunga a lomuzi, a ya kuma-  
mkela emzini kuwo, a m nike indawo,  
ukuba a hlale kubo.

5 Nxa umpindisi wegazi e m landa,  
ka nga m nikeli esandhlени sake umbu-  
lali; ngokuba wa m bulala umuntu nge-  
ngozi, kade e nga m zondi.

6 U ya kuhlala kulowo muzi a ze e me  
pambi kwesizwe ukuba ku tetwe icala,  
ku ze ku fe umpristi omkulu wa lezo-  
ziusuku; kona umbulali a nga buya eze  
emzini wa kubo, na sendhlени yake,  
emzini a baleka kuwo.

7 Ba se be misa iKedeshi, eGalile enta-  
beni ka Naftali, neShekemi entabeni  
ka Efraimi, neKirjatarba, (eli iHebroni)  
entabeni ya kwaJuda;

8 Na ngapesheya kweJordan ngase-  
Jeriko, nga sempumalanga, ba misa iBe-  
zeri ehlane etafeni esizweni sikaRubeni,  
neRemoti eGiladi esizweni sika Gadi,  
neGolani eBashani esizweni sika Manasa.

9 Le ya i imizi e miselwe abaka Isra-  
eli bonke, nabezizwe aba hlezi kubo,  
ukuba o bulele umuntu ngengozu a ba-  
lekele kona, a nga fi ngesandhla sompi-  
ndisi wegazi, e nga kemi pambi kwesi-  
zwe.

#### ISAHLUKO 21.

**K**WA se ku sondela izikulu za oyise  
babaLevi beza kuElezari umpristi,  
na kuJoshua indodana ka Nuni, na ku-  
zo izikulu zezizwe zabaka Israeli;

2 Za tyo kubo eShilo ezweni la se-  
Kenani, za ti, uJehova wa tyo ngaye  
uMosi ukuba si piwe imizi, si hlale  
kuyo, namadhlelo ayo a be awezinko-  
mo zetu.

3 AbakaIsraeli ba se be ba pa ezweni  
labo lemizi namadhlelo ayo njengokutyo  
kuka Jehova.

4 Kwa puma inkato yezindhlu zabaka  
Kohati; abaka Aroni, umpristi, ba kwa-  
Levi, babelwa ngenkato esizweni sa kwa-  
Juda, na sesizweni sa kwaSimeoni, na  
sesizweni sa kwaBenjamini, imizi e  
ishumi nautatu.

5 Abaseleyo kwabaka Kohati babelwa  
ngenkato ezindhlени zezizwe sa kwa  
Efraimi, na sesizweni sika Dani, na se-  
sizweni sika Manasa, imizi e ishumi.

6 Abaka Gershoni babelwa ngenkato  
ezindhlени zezizwe sika Isakari, na sesi-  
zweni sika Asheri, na sesizweni sika  
Naftali, na kuyo inxenye yesizwe sika  
Manasa eBashani, imizi e ishumi na-  
ntatu.

7 Abaka Merari ngezindhlu zabo ba-  
belwa esizweni sika Rubeni, na sesizwe-  
ni sika Gadi, na sesizweni sika Zebulo-  
ni, imizi e ishumi nambili.

8 Abaka Israeli ba babelwa ngenkato  
abaLevi lemizi namadhlelo ayo, njengo-  
kutyo kuka Jehova ngoMosi.

9 Kwabelwa esizweni sabaka Juda,  
na sesizweni sika Simeoni, lemizi e tyiwo  
lapa ngamagama,

10 Ababelwa yona abaka Aroni, bezi-  
ndhlu zabaka Kohati, baka Levi; ngo-  
kuba inkato yokuqala ya i ngeyabo.

11 Ba ba nika nomuzi ka Arba, uyise  
ka Anaki, o iHebroni entabeni ya kwa-  
Juda, namadhlelo awo a ngakona.

12 Kepa amasimu omuzi nemizana ya-  
wo ba i nika uKalebi indodana ka Jefu-  
na, ku be owake.

13 Ba ba nika abaka Aroni iHebroni  
namadhlelo alo, li be umuzi wokuba  
ku balekele umbulali, neLibna nama-  
dhlelo alo,

14 neJatiri namadhlelo alo, neEshtemoa namadhlelo alo,

15 neHoloni namadhlelo alo, uDebiri namadhlelo alo.

16 neAine namadhlelo alo, neJuta namadhlelo alo, neBetshemeshi namadhlelo alo, imizi eshiyangalolunye kulezozizwe ezibili;

17 Na sesizweni sika Benjamini iGibeoni namadhlelo alo, neGeba namadhlelo alo,

18 neAnatoti namadhlelo alo, neAlmoni namadhlelo alo; imizi emine.

19 Imizi yonke yabaka Aroni, abapristi, ya i imizi e ishumi nantatu namadhlelo ayo.

20 Abezindhlu zabaka Kohati, abaLevi abaseleyo kwabaka Kohati, ba be nemizi yenkato yabo esizweni sika Efraimi.

21 Ba ba nika neShekemi namadhlelo alo entabeni ka Efraimi, li be umuzi wokuba ku balekele umbulali; neGezeri namadhlelo alo,

22 neKibzaimi namadhlelo alo, neBethoronani namadhlelo alo; imizi emine;

23 Na sesizweni sika Dani, iElteke namadhlelo alo, neGibetoni namadhlelo alo,

24 iAjalonani namadhlelo alo, neGatrimoni namadhlelo alo; imizi emine;

25 Na kuyo inxenye yesizwe sika Manasa, iTanaki namadhlelo alo, neGatrimoni namadhlelo alo; imizi emibili.

26 Imizi yonke ya i ishumi namadhlelo ayo yezindhlu eziseleyo zabaka Kohati.

27 Na kuyo inxenye yesizwe sika Manasa, ba ba nika abaka Gershoni iGolani eBashani namadhlelo alo, li be umuzi wokuba ku balekele umbulali, neBeshtera namadhlelo alo; imizi emibili;

28 Na sesizweni sika Isakari, iKishoni namadhlelo alo, neDaberati namadhlelo alo,

29 neJarmuta namadhlelo alo, neEnganini namadhlelo alo; imizi emine;

30 Na sesizweni sika Asheri, iMishali namadhlelo alo, neAbdoni namadhlelo alo,

31 neHelkati namadhlelo alo, neRehobi namadhlelo alo; imizi emine;

32 Na sesizweni sika Naftali, iKedeshi eGalile, namadhlelo alo, li be umuzi wokuba ku balekele umbulali; neHamotdori namadhlelo alo, neKartani namadhlelo alo; imizi emitatu.

33 Imizi yonke yabaka Geshoni, nge-

zindhlu zabo, ya i imizi e ishumi nantatu namadhlelo ayo.

34 Na sesizweni sika Zebuloni, ba ba nika abaka Merari, abaseleyo kubaLevi, iJokneamu namadhlelo alo, neKarta namadhlelo alo,

35 neDimna namadhlelo alo, neNahalali namadhlelo alo; imizi emine;

36 Na sesizweni sika Rubeni, iBazeri namadhlelo alo, neJahaza namadhlelo alo,

37 neKedemoti namadhlelo alo, neMefati namadhlelo alo, imizi emine;

38 Na sesizweni sika Gadi, iRamoti eGiladi namadhlelo alo, li be umuzi wokuba ku balekele umbulali, neMahanaimi namadhlelo alo,

39 neHeshbone namadhlelo alo, neJazeri namadhlelo alo; i yonke i imizi emine.

40 Imizi yonke yabaka Merari ngezindhlu zabo, abaseleyo ezindhlini zabaLevi, ya i imizi e ishumi nambili ngenkato yayo.

41 Imizi yonke yabaLevi e sezweni labaka Israeli ya i imizi emashumi amane nashiyagalombili namadhlelo ayo.

42 Lemizi ya i namadhlelo a ngakona kuyo, imizi ngemizi. Kwa ku njalo kuyo yonke lemizi.

43 uJehova wa ba nika abaka Israeli izwe lonke a e fungile ngalo ukubanika oyise babo lona; ba lamkela, ba hlala kulo.

44 uJehova wa ba pumuza inxa zonke, njengako konke a be fungile ngako oyise babo; kwa ku nge ko muntu eziteni zonke zabo o wema pambi kwabo.

45 A ku putanga uto kuko konke okulungileyo a ku tyoyo uJehova kwabaka Israeli; kwa pelela konke.

## ISAHLUKO 22.

**K**ONA uJoshua wa biza abaka Rubeni, nabaka Gadi, neuxenye yesizwe sika Mauasa,

2 Wa ti kubo, Ni geinile konke a ku tyoyo kini uMosi, inceku ka Jehova, ni ngi lalele ngako konke engi ku tyilo kini;

3 A ni shiyanga abafu wenu ngalezizinsuku eziningi ku ze ku be manhla; ni geinile umyalo ka Jehova uTixo wenu.

4 Manje uJehova uTixo wenu u pumuzile abafu wenu, njengokutyo kwake kubo; ngako buyani, ni ye kotente be-

nu, ezweni lenu, a ni nika lona uMosi, incekuka Jehova pesheya kweJordanani.

5 Keka qapelani kahle ukuba nenze umyalo nomteto, a ni yala ngawo uMosi incekuka Jehova, ukuba ni tande uJehova uTixo wenu, ni hambe ngezindhlela zake, ni geine imiyalo yake, ni namatele kuye, ni m konze ngenhliziyo yonke, na ngompefumlo wonke.

6 uJoshua wa e se ba busisa, wa ba mukisa; ba ya kotente babo.

7 uMosi wa e nikile inxenye yesizwe sika Manasa izwe eBashani; uJoshua wa nika inxenye yaso izwe pakati kwabafo wabo nganeno kweJordanani ngasentyonalanga. Na lapo uJoshua e se ba mukisa ukuba ba ye kotente babo, wa ba busisa,

8 Wa tyo kubo, wa ti, Buyani nemfuyo eningi, ni ye kotente benu, nezinkomo eziningi kakulu, nesiliva, negolide, netusi, nensimbi, nezingubo eziningi; yabelanani nabafo wenu eni ku pangileyo eziteni zenu.

9 Abaka Rubeni, nabaka Gadi, nenxenye yesizwe sika Manasa, ba buya, bemuka kwabaka Israeli, eShilo, eli sezweni la seKenani, ukuya ezweni la seGiladi, ezweni labo, ababelwa lona njengokutyoko kuka Jehova ngoMosi.

10 Se be fikile ezweni la seJordanani, eli sezweni la seKenani, abaka Rubeni, nabaka Gadi, nenxenye yesizwe sika Manasa, baka kona ngaseJordanani ilati elikulu uma li bonwa.

11 Abaka Israeli bezwa ku tiwa, Bheka, abaka Rubeni, nabaka Gadi, nenxenye yesizwe sika Manasa bakile ilati ngapambi kwezwe la seKenani, ezweni la seJordanani ngapambi kwabaka Israeli.

12 Abaka Israeli se be zwile loko, isizwe sonke sabaka Israeli sa butana eShilo, ukuba ba hlasele kubo.

13 Abaka Israeli ba tuma kwabaka Rubeni, na kwabaka Gadi na kuyo inxenye yesizwe sika Manasa, uFinehasi indodana ka Eleazari, umpristi,

14 Nezikulu ezi ishumi kanye naye, ileyondhlu enkulu isikulu kuzo zonke izizwe zika Israeli, kwa ba ileso sa si inhloko yendhlu kayise ezinkulungwaneni zabakwaIsraeli.

15 Beza kwabaka Rubeni, na kwabaka Gadi, na kuyo inxenye yesizwe sika Manasa, ezweni la seGiladi, ba kuluma nabu, ba ti,

16 Si tyo isizwe sonke sika Jehova, si ti, Icala lini leli eni lenzileyo kuTixo ka

Israeli ngokubuyela emva namhla ni nga m landeli uJehova, loku nakile ilati, ukuba ni hlubuke uJehova namhla?

17 Ukona kwa sePeori ku ncinyane ini kitina, esi nga ka hlanjululwa kuko na namhla, nesifo sa si kona esizweni sika Jehova,

18 Keka ni buyela emva namhla ni nga ni landeli uJehova? Ku za kuti, loku ni hlubuka uJehova namhla, ngomso u ya kutukutelela isizwe sonke sika Israeli.

19 Uma izwe lenu li ngecolile, welani ni ye ezweni lika Jehova, lapo ku mi kona itabanekele lika Jehova, ni tole izwe pakati kwetu; ni nga hlubuki uJehova, ni nga si hlubuki nati, ngokwaka ilati nga selatini lika Jehova, uTixo wetu.

20 uAkani indodana ka Zera a kenzanga icala ini ngento enikelweyo, isizwe sonke sika Israeli sehlelwa ulaka? ka fanga lomuntu yedwa ekoneni kwake.

21 Abaka Rubeni, nabaka Gadi, nenxenye yesizwe sika Manasa ba pendula, ba ti kuzo izikulu zezinkulungwane zabakwaIsraeli,

22 uTixo, uTixo uJehova, uTixo, uTixo uJehova u yazi yena, nabaIsraeli ba yakwazi uma sa hlubuki, noma senza icala kuJehova, (u nga si sindisi namhla,)

23 Ngokwaka ilati ukuba si buyele emva si nga m landeli uJehova, si nikele kulo umnikelo wokutyiswa, nomnikelo wempupu, si nikele kulo imihlatyelo yokutula, ka bone uJehova;

24 Noma si ngenzanga ngokwesaba ngalento, si ti, Ngesikati esizayo abantwana benu ba ya kutyo kubantwana betu, ba ti, Ni nomsebenzi muni kuJehova, uTixo ka Israeli?

25 uJehova wenzile iJordanani umkaulo pakati kwetu nani, nina baka Rubeni nabaka Gadi; a ni nasabelo kuJehova; abantwana benu ba ya kwenza abantwana betu ukuba ba yeke ukumesaba uJehova.

26 Ngako sa ti, Ma si zenzele, sake ilati, li nga bi elomnikelo wokutyiswa nelomhlatyelo;

27 Keka a li be ufakazi pakati kwetu nani na pakati kwenzalo yetu emva kwetu, ukuba senze inkonzo ka Jehova pambi kwake ngeminikelo yetu yokutyiswa, na ngemihlatyelo yetu, na ngeminikelo yokutula, ukuba abantwana benu ba nga tyo kubantwana betu nge-

sikati esizayo, ba ti, A ni nasabelo ku-Jehova.

28 Ngako sa ti, ku za ku ti, nxa be tyo loku kitina na kuyo inzalo yetu ngesikati esizayo, si ya kuti, Bhekani ufuzo lwelati lika Jehova, aba lenzayo obaba betu, li nga bi elemnikelo yokutyiswa nelemihlatyelo; kepa li ufakazi pakati kwetu nani.

29 Amanga, a si m hlubuki uJehova, a si buyeli emva namhla si nga m landeli uJehova, ngokwaka ilati leminikelo yokutyiswa, nelemnikelo yempupu, nelemihlatyelo, nga selatini lika Jehova uTixo wetu, eli ngapambi kwetabanekele.

30 uFinehasi umpristi, nezikulu zezizwe, nezinhloko zezinkulungwane eza zi naye, se be zwile amazwi aba wa tyoyo abaka Rubeni, nabaka Gadi, nabaka Manasa, kwa ku kuhle kubo.

31 uFinehasi indodana ka Eleazari umpristi, wa ti kwabaka Rubeni, na kwabaka Gadi, na kwabaka Manasa, Namhla si ya bona ukuti, uJehova u kona pakati kwetu, ngokuba a nenzanga lelicala kuJehova; se ni sindisile abaka Israeli esandhleni sika Jehova.

32 uFinehasi indodana ka Eleazari umpristi, nezikulu, ba buya kwabaka Rubeni na kwabaka Gadi, na sezweni la se Giladi, ba buyela ezweni la seKenani, kwabaka Israeli, ba ba landisa amazwi.

33 Kwa tokozisa abaka Israeli; abaka Israeli ba bonga uTixo; a ba be be sa tyo ukuti ba za kukupuka ba hla-sele kubo, ukuba ba cite izwe aba be hlezi kulo abaka Rubeni, nabaka Gadi.

34 Abaka Rubeni nabaka Gadi ba qamba ilati ba ti, Li ufakazi pakati kwetu wokuti uJehova u nguTixo.

### ISIAHLUKO 23.

**K**WA ti, se ku dhlulile isikati eside emva kokupumuza kuka Jehova abaka Israeli eziteni zonke zabo inxa zonke, uJoshua wa e guqa e nemiyaka eminingi.

2 uJoshua wa nema abaIsraeli bonke, amalunga abo, nezinhloko zabo, nabahluli babo, nezinduna zabo, wa ti kubo, Se ngi gugile, ngi neminyaka eminingi;

3 Ni bonile konke uJehova uTixo wenu a kwenzileyo kuzo zonke lezizizwe ngenxa yenu; ngokuba ku nguJehova uTixo wenu o ni lweleyo.

4 Bhekani ngi nabele lezizizwe eziseleloyo zi be ifa lezizwe zenu, ku suka eJor-

dani, kanye nezizwe zonke engi zi citileyo, ku ze ku fike elwandhle olukulu nga sentyonalanga.

5 uJehova uTixo wenu u ya kuzixotyia pambi kwenu, a zi suse pambi kwenu; ni ya kufuya izwe labo njengokutyo kuka Jehova uTixo wenu kini.

6 Qinisani kakulu ukuba ni gcine nenze konke okulotyiweyo enewadini yomteto ka Mosi, ukuba ni ngeduki kuwo ukuya na ngakwesokunene na ngakwesokohlo;

7 Ukuba ni nga hlangani nalezizizwe, lezi eziseleloyo pakati kwenu; ni nga bizi igama lotixo babo, ni nga fungisi ngabo, ni nga ba konzi, ni nga kotameli kubo;

8 Kepa namatelani kuJehova, njengaloku nenzile ku ze ku be namhla.

9 uJehova u xotyile pambi kwenu izizwe ezikulu nezi namandhla; kepa be ku nge ko muntu o be nokuma pambi kwenu ku ze ku be namhla.

10 Umuntu munye wa kini u ya xotyia inkulungwane; ngokuba ku nguJehova uTixo wenu o ni lwelela njengokutyo kwake kini.

11 Qapelani kabhele ukuba ni m tande kabhele uJehova uTixo wenu.

12 Ngokuba uma ni buyela emva, ni namatelele kulezizizwe eziseleloyo, lezi eziseleloyo pakati kwenu, ni gauane nazo, ni hlangane nazo,

13 Yazini impela ukuti, uJehova uTixo wenu ka sa yi kuxotyia lezizizwe pambi kwenu, kepa zi ya kuba ugibe, nefolo kini, noswazi ezinhlangotini zenu, namewa emehlweni enu, ni ze ni bube kulelizwe elihle a ni nikile lona uJehova uTixo wenu.

14 Bheka, namhla ngi hamba nge ndhlela yezwe lonke; ni yazi ngezinhliziyo zonke zenu, na ngemipefunulo yonke yenu ukuti, a ku putanga uto kuko konke okuhle a ku tyoyo ngani uJehova uTixo; konke ku pelele kini; a ku putanga uto kuko.

15 Ku za kuti njengaloku ku pelele kini konke okuhle a ku tyoyo kini uJehova, ku njalo uJehova u ya kunehlisela okubi konke, a ze a ni qede kulelizwe elihle a ni nike lona uJehova uTixo wenu.

16 Nxa ni pula isivumelwano sika Jehova uTixo wenu, a si tyoyo kini, ni ye ni konze abanye otixo, ni kotamele kubo, ulaka luka Jehova lu ya kunivuselwa, ni ya kububa masinyane kulelizwe elihle a ni nikile lona.

ISAHLUKO 24.

**U**JOSHUA wa butela izizwe zonke za-  
kwa Israeli eShekemi, wa mema  
amalunga a kwaIsraeli, nezinhloko za-  
bo, nabahluli babo, nezinduna zabo, beza  
bema pambi kuka Tixo.

2 uJoshua wa ti kubantu bonke, U tyo  
uJehova uTixo wabaIsraeli, u ti, Oyi-hlo  
benu ba hlala ngapesheya komfula endu-  
lo, uTera, uyise ka Abrahamama, noyise ka  
Nahori; ba konza abanye otixo.

3 Nga tabata uyihlo uAbrahamama ngap-  
sheya komfula, nga m hambisa ezweni  
lonke la seKenani, ngandisa inzalo  
yake, nga m nika uSaka.

4 Nga m nika uSaka uJakobe no-  
Esau; nga m nika uEsau iSira intaba i  
be eyake; kepa uJakobe nabantwana  
bake behla ba ya Egipte.

5 Nga tuma uMosi noAroni, nga tya-  
ya aba sEgipte njengaloko enga kwe-  
nzayo kuwo; ngasemva nga ni kipa.

6 Nga kipa oyihlo benu Egipte; na  
fika elwandhle; abasEgipte ba xoty-  
a oyihlo ngezingqola na ngabamahashi a za  
a fika elwandhle Olubomvu.

7 Lapo be sa kala kuJehova wa beka  
ubumnyama pakati kwenu nabasEgi-  
pite, wa yisa ulwandhle pezu kwabo, wa  
ba sibekela; na bona ngamehlo enu loko  
engwa kwenzayo Egipte; na hlala ehlane  
isikati eside.

8 Nga ni yisa ezweni lamaAmori, a  
hlala pesheya kweJordan; a lwa nani;  
nga wa nikela esandhleni senu; namke-  
la izwe labo; nga ba cita pambi kwenu.

9 uBalaki indodana ka Zipore, inkosi  
ya seMoabi, wesuka wa lwa nabaIsraeli;  
wa tuma wa biza uBalami indodana ka  
Beori ukuba eze a ni tuke;

10 Kodwa a ngi vumanga ukumlalela  
uBalami; ngako wa e se ni busisa; nga  
ni sindisa esandhleni sake.

11 Na wela iJordan, na fika eJeriko;  
abaseJeriko ba lwa nani, namaAmori,  
namaPerizi, namaKenani, namaHiti,  
namaGirgashi, namaHivi, namaJebusi;  
nga ba nikela esandhleni senu.

12 Nga tuma iminyovu pambi kwenu;  
ya ba xoty-ya pambi kwenu; amakosi  
amabili amaAmori; ku nge ngenkemba  
yako, ku nge ngomcibityolo wako.

13 Ngi ni nikile izwe eni nga sebenza-  
nga kulo, nemizi eni nga yakanga, ni ya  
hlala kuyo; ni ya dhla izitelo zezivini  
nezezihlwati, eni nga si tyalanga.

14 Manje yesabani uJehova, ni m ko-  
nze ngokupelela na ngeqiniso; ni suse

otixo aba ba konzayo oyihlo ngapesheya  
komfula, na sEgipte, ni konze uJehova.

15 Kepa uma ku kubi kini ukumko-  
nza uJehova, ketani namhla yena eni  
ya kumkonza, noma otixo aba ba konza-  
yo oyihlo, aba ngapesheya komfula, no-  
ma otixo bamaAmori, eni hlezi ezweni  
lawo; kepa mina nendhlu yami si ya ku-  
konza uJehova.

16 Abantu ba pendula ba ti, Amanga,  
a si yi kumshiya uJehova, si ye si konze  
abanye otixo.

17 Ngokuba u nguJehova uTixo wetu  
owa si kipa tina nobaba betu ezweni la  
sEgipte, endhlini yezigqili, owa zenza-  
yo pambi kwetu lezoziBonakalisio ezi-  
nkulu, wa si londoloz-za endhlebeni yo-  
nke esa hamba ngayo, na kubantu bo-  
nke esa dhlula kubo.

18 uJehova wa xoty-ya pambi kwetu  
abantu bonke, namaAmori a e hlala  
ezweni; na ti si ya kumkonza uJehova;  
ngokuba yena u nguTixo wetu.

19 uJoshua wa e se ti kubantu, Ni nge  
m konze uJehova ngokuba u nguTixo  
ongeweke yena; u nguTixo o nomona;  
ka yi kunitetelela amacala enu, nezono  
zenu.

20 Nxa ni m shiya uJehova ni ye ni  
konze otixo bezizwe, kona u ya kuguqu-  
ka, a nenzele okubi, a ni qede, e se ne-  
nzele okuhle.

21 Abantu ba ti kuJoshua, Ai, kepa si  
ya kumkonza uJehova.

22 uJoshua wa ti kubantu, Ni ngofa-  
kazi nina bokuti, ni m ketile uJehova,  
ukuba ni m konze. Ba ti, Si ngofakazi.

23 Wa ti, Manje susani otixo bezizwe  
aba kona pakati kwenu, ni bheke nge-  
nhliziy-ya kuJehova uTixo ka Israeli.

24 Abantu ba ti kuJoshua, Si ya ku-  
mkonza uJehova, si lalele izwi lake.

25 Kona uJoshua wenza isivumelwa-  
no ngalolo suku, wa ba misela umteto  
nomyalo eShekemi.

26 uJoshua wa loba lawamazwi encwa-  
dini yomteto ka Tixo, wa tabata itye eli-  
kulu, wa li misa kona pans-ya komala o  
sendaweni engeweke ka Jehova.

27 uJoshua wa ti kubantu bonke,  
Bhekani, lelitye li ya kuba ufakazi ki-  
tina, ngokuba li zwile amazwi onke ka  
Jehova, a wa tyiloy-ya kiti; li ya kuba  
ufakazi na kinina, funa ni pike uTixo  
wenu.

28 uJoshua wa ba mukisa abantu, kwa  
ba ilowo wa ya ezweni lake.

29 Kwa ti emva kwaloku uJoshua,

indodana ka Nuni, inceku ka Jehova, wa fa, e neminyaka e ikulu neshumi.

30 Ba m mbela emkaulweni wizwe lake eTimnatsera, eli sentabeni ka Efraimi, entabeni iGashi nga senyakato.

31 abaIsraeli ba konza uJehova izinsuku zonke zika Joshua, nezinsuku zonke zamaLunga, a dhlula a zi pila emva kuka Joshua, a yaziyo imisebenzi yonke ka Jehova, a be e yenzele abaIsraeli.

32 Amatambo ka Josefa, aba kupuka nawo Egipite abaka Israeli, ba wa mbela eShekemi, ezweni lelo, a li tengayo uJakobe kwabaka Hamori, uyise ka Shekemi, ngamakesita a ikulu; kwa ba ifa labaka Josefa.

33 Wa fa noEleazari indodana ka Aroni; wa mbelwa entabeni ka Finehasi, indodana yake, a be nikiwe yona entabeni ka Efraimi.

## INCWADI YABAHLULI.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ti emva kokufa kuka Joshua abaka Israeli ba m buza uJehova, be ti, Ubani o ya kusikupukela kuqala ukuya kumaKenani ukulwa nawo.

2 uJehova wa ti, uJuda u ya kukupuka; bheka, ngi nikele izwe esandhlени sake.

3 uJuda wa ti kuSimeoni umfo wabo, Kupuka nami si ye ezweni lami, si lwe namaKenani; kona ngi ya kuya nawe ezweni lako. Wesuka uSimeoni wa hamba naye.

4 uJuda wa kupuka; uJehova wa wa nikela amaKenani namaPerizi esandhlени sabo; ba ba bulala eBezeki abantu aba izinkulungwane ezi ishumi.

5 Ba fumana uAdonibezeki eBezeki, ba lwa naye, ba wa bulala amaKenani namaPerizi.

6 uAdonibezeki wa baleka; ba m xotya, ba m bamba, ba nquma izitupa zake, nezinzwane zake ezinkulu.

7 uAdonibezeki wa ti, Amakosi a ngamashumi a isikombisa, e nqunyiwe izitupa nezinzwane ezinkulu, a buta ukudhla kwabo pansi kwetebula lami, nje ngaloku ngenzile uTixo u pindisile kini. Ba m yisa eJerusalema, wa fa kona.

8 Kepa abakaJuda ba lwa neJerusalema, ba li nqoba, ba li tyaya ngobukali benkamba, ba tyisa umuzi ngomlilo.

9 Kona abakaJuda besuka ba ya ukulwa namaKenani akileyo ezintabeni, na seningizimu, na sezihlanjeni.

10 uJuda wesuka wa ya kuwo amaKenani a seHebroni; (kepa igama leHebroni la li iKirjatarba kuqala;) ba bulala oSheshai, noAhimani, noTalmi.

11 Wemuka kona wa ya kwaba seDe-

biri; igama leDebiri la li iKirjatseferi kuqala;

12 uKalebi wa ti, Lowo o za kutyaya iKirjatseferi, a li nqobe, ngi ya kumnika uHaksa indodakazi yami a be umkake.

13 uOtnieli indodana ka Kenazi, umnawe ka Kalebi, wesuka wa li nqoba; wa m nika uHaksa indodakazi yake, a be umkake.

14 Kwa ti, ekuzeni kwake, wa m vusa ukuba a cele kuyise izwe; wehla embongolweni yake; uKalebi wa ti kuye, U tini na?

15 Wa ti kuye, Ngi nike isibusiso, ngokuba u ngi nikile izwe la seningizimu, ngako ngi nike imitombo yamanzi. uKalebi wa m nika imitombo ya senhla nemitombo ya senzansi.

16 AbomKeni, uyise womka Mosi, benyuka emzini wemitemari nabakaJuda, ba ya ehlane la kwaJuda eli nga seningizimu kwa seAradi; ba ya ba hlala nalabobantu.

17 uJuda wesuka wa ya noSimeoni umfo wabo, ba bulala amaKenani a seZefati, ba li qeda. Igama lomuzi la tiwa iHorma.

18 uJuda wa nqoba iGaza nezwe lalo, neAshkeloni nezwe lalo, neEkroni nezwe lalo.

19 uJehova wa e noJuda, wa xotya abakileyo ezintabeni, kepa abakileyo esihlanjeni ba be nge nakuxotywa, ngokuba ba be nezinqola zensimbi.

20 Ba m nika uKalebi iHebroni, nje ngokutygo kuka Mosi; wa xotya kona amadodana omatatu ka Anaki.

21 Kepa abakaBenjaminini a ba xotyanga abaJebusi ba seJerusalema; kodwa abaJebusi ba hlala nabakaBenjaminini na namhla.



22 Abendhlu kaJosefa benyukela eBeti; uJehova wa e nabo.

23 Abendhlu ka Josefa ba hlola eBeti; igama la lomuzi la li iLuzi kuqala.

24 Izinhloli za bona umuntu e puma emzini, ba ti kuye, Si tyengiseke indawo yokungena emzini, si ya kukupata kahle.

25 Wa ba tyengisa indawo yokungena emzini; ba tyaya umuzi ngobukali benkamba; kepa ba yeka lowomuntu nendhlu yonke yake.

26 Lowomuntu wa ya ezweni lamaHiti, waka kona umuzi, wa qamba igama lawo, iLuzi, eli igama lawo na namhla.

27 Kepa uManasa ka xotyanga abantu ba seBetslani nemizana yalo, naba seTanaki nemizana yalo, naba seDori nemizani yalo, naba seBlamu nemizana yalo, naba seMegido nemizana yalo; kodwa amaKenani a e tanda ukuhlala kulelozwe.

28 Kwa ti, nxa uIsraeli e se namandhla, ba wa telisa amaKenani; kepa a ba ba xotyanga impela.

29 Naye uEfraimi ka wa xotyanga amaKenani akileyo eGezeri; kepa amaKenani a hlala eGezeri pakati kwabo.

30 uZebuloni ka xotyanga aba seKitroni, naba seNahaloli; kepa amaKenani a hlala pakati kwabo; ba teliswa.

31 uAsheri ka xotyanga aba seAko, naba seZidoni, naba seAlabi, naba seAkzibi, naba seHelba, naba seAfeke, naba seRehobi;

32 Kepa amaAsheri a hlala pakati kwamaKenani, abantu bezwe; ngokuba a ba wa xotyanga.

33 uNaftali ka xotyanga aba seBethemeshi, naba seBetanati; kepa wa hlala pakati kwamaKenani, abantu bezwe; kepa seBethemeshi naba seBatanati ba teliswa ibo.

34 Kwa ti amaAmori a ba qubela abaka Dani ezintabeni; ngokuba a ba ba vumelanga ukuba behlele esihlanjeni.

35 Kodwa amaAmori a linga ukuhlala entabeni ya seHeresi, na seAjalonni, na seShalbitimu; isandhla sendhlu ka Josefa sa ba namandhla, ba teliswa.

36 Umkaulo wamaAmori wesuka ekukupukeni kweAkrabimi, na seSela na ngasenhla.

ISAHLUKO 2.

**K**WENYUKA ingelosi ka Jehova eGilgali, ya ya eBokimi, ya ti, Nga ni kupula Egipte, ngi ni zisile ezweni,

enga funga ngalo koyihlo benu, nga ti, A ngi sa yi kwapula isivumelwano sami nani.

2 Kepa ni ngenzi isivumelwano nabantu ba lelizwe; a no bidhliza amalati abo: kodwa a ni lalanga izwi lami. Ku ini loku eni kwenzileyo na?

3 Nga buya nga ti, A ngi yi kubaxotyanya pambi kwenu; kepa ba ya kuba njengameva ezinhlangotini zenu; otixo babo ba ya kuba umgibe kini.

4 Kwa ti, ingelosi ka Jehova se i tyilo lawamazwi kubo bonke abaka Israeli, abantu ba dazuluka ba kala.

5 Ba qamba igama la leyondawo iBokimi; ba m hlabela uJehova kona.

6 uJoshua wa ba mukisa abantu, abaka Israeli bemuka kwa ba ilowo wa ya efeni lake ukuba a fuye izwe.

7 Abantu ba konza uJehova izinsuku zonke zika Joshua, neziusuku zonke zamalunga, uJoshua a wa shiyayo e kona, a e bonile imisebenzi yonke emikulu ka Jehova, a yenzela uIsraeli.

8 uJoshua indodana ka Nuni, inceku ka Jehova, wa fa e neminyaka e ikulu neshumi.

9 Ba mbela ezweni lefa lake eTimnatsara, ezintabeni za kwa Efraimi, ngasenyakato kwentaba yeGashi.

10 Naso sonke lesosizukulwana sa butelwa koyise baso; kwa vela esinye isizukulwana emva kwabo, esi nga m aziyo uJehova, nemisebenzi a be yenzele abakaIsraeli.

11 AbakaIsraeli benza okubi pambi kuka Jehova, ba konza oBali;

12 Ba m shiya uJehova uTixo wa oyi-se, owa ba kipa ezweni la seEgipte, ba landela abanye otixo, otixo bezizwe eza zi ngakona kubo, ba kotama pambi kwabo, ba tukutalisa uJehova.

13 Yebo ba m shiya uJehova, ba konza uBali noAstarote.

14 uJehova wa tukutelela abakaIsraeli, wa ba nikela esandhleni sabapangayo, ba ba pangayo, wa ba nikela esandhleni sezita zabo eza zi ngakona, aba be be sa ba nakuma pambi kwezita zabo.

15 Ezindaweni zonke aba pumela kuzo, isandhla sika Jehova sa si pezu kwabo ukubenzela okubi, njengokutyo kuka Jehova, na njengokufunga kwake kubo, ba hlupeka kakulu.

16 uJehova wa ba vusa abahluli, ba ba sindisa esandhleni, saba ba pangayo.

17 Kepa a ba lalanga ababusi babo, ba ya ba pinga nabanye otixo, ba kotama

pambi kwabo; ba pambuka masinyane endhlehleni, aba hamba ngayo oyise, ngokulalela imiyalo ka Jehova; kepa a benze njalo bona.

18 Nxa uJehova e ba vusela ababusi, uJehova wa e nomahluli, wa ba sindisa esandhleni sezita zabo izinsuku zonke zomahluli; ngokuba uJehova wa dabuka ngokukala kwabo, ngenxa yababahlupayo nababazingelayo.

19 Kepa kwa ti ekufeni komahluli, ba hlubuka ba zonakalisa ku noyise babo ngokulandela abanye otixo, ukuba ba ba konze, ba kotame pambi kwabo; a ba yekanga imisebenzi yabo nendhlehla yabo yenkani.

20 uJehova wa tukutelela abakaIsraeli, wa ti, Ngokuba lababantu beqile isivumelwano sami, enga ba yala oyise ngaso a ba lalabela izwi lami;

21 Nami a ngi yi kupinda ngi xotyemuntu pambi kwenu kulezozizwe a zi shiyayo uJoshua ekufeni kwake;

22 Ukuzi ngi linge ngabo abakaIsraeli ukuba ba ya kugeina ini indhlehla ka Jehova ngokuhamba ngayo, njengoyise ba i geina, nokuba a ba yi kuigeina.

23 uJehova wa zi yeka lezizizwe, ukuba zi nga xotywa masinyane, ka zi nikelanga esandhleni sika Joshua.

### ISAHLUKO 3.

**L**EZI zi izizwe a zi yekayo uJehova, ukuba a linge abakaIsraeli ngazo, (bonke abakaIsraeli aba be ngazi ukulwa konke kwa seKenani;

2 Kupela ukuze izizukulwana zabaka Israeli zi kwazi, zi fundiswe ukulwa, ukulwa eza zi nga kwazi ngapambili;)

3 Amakosi amahlana amaFilisti, namaKenani onke, namaSidoni, namaHivi, akileyo entabeni yeLebenoni, ku suka entabeni yeBalhermoni ku ze ku fike eHamati.

4 Za zi kona ukuba abakaIsraeli ba lingwe ngazo ukuze kwaziwe ukuba ba za kulalela imiyalo ka Jehova, a ba yala oyise ngayo, ngesandhla sika Mosi.

5 Abaka Israeli ba hlala pakati kwamaKenani, namaHiti, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi;

6 Ba tabata izintombi zabo, zi be omkabo, ba nika anadodana abo izintombi zabo, ba konza otixo babo.

7 Abaka Israeli benza okubi pambi kuka Jehova, ba kohlwa uJehova uTixo wabo, ba konza uBali noAshera.

8 uJehova wa tukutelela abakaIsra-

eli, wa ba nikela esandhleni sika Kushanrishataimi, inkosi ya seMesopotamia; abaka Israeli ba m konza uKushanrishataimi iminyaka eshiyagalombili.

9 Abaka Israeli ba kala kuJehova, uJehova wa ba vusela abaka Israeli unsindisi, wa ba sindisa, uOtnieli indodana ka Kenazi, umnawe ka Kalebi.

10 Umoya ka Jehova wa e pezu kwake, wahlula abaka Israeli, wa hlasela; uJehova wa nikela uKushanrishataimi, inkosi ya seMesopotamia, esandhleni sake; isandhla sake sa ba namandhla pezuku kuka Kushanrishataimi.

11 Izwe la hlala li tule iminyaka emashumi amane; uOtnieli indodana ka Kenazi wa fa.

12 Abaka Israeli ba pinda benza okubi pambi kuka Jehova; uJehova wa m quba uEgloni inkosi yamaMoabi ukulwa nabakaIsraeli, ngokuba ba benzile okubi pambi kuka Jehova.

13 Wesuka wa hlangana nabaka Amoni nabaka Amaleki, wa ya wa tyaya abaka Israeli, ba ngoba umuzi wemitemari.

14 Abaka Israeli ba m konza uEgloni inkosi yamaMoabi iminyaka e ishumi na shiyagalombili.

15 Abaka Israeli ba kala kuJehova, uJehova wa ba vusela unsindisi, uEhudi, indodana ka Gera, umBenjamini, umuntu o inxele; abaka Israeli ba tuma isipo ngaye kuEgloni inkosi yamaMoabi.

16 uEhudi wa zenzela inkemba, e bukali ezinhlangoti zombili, ubude bayo ba bu ikubiti; wa i bopa pansu kwengubo yake etangeni lokunene.

17 Wa yisa isipo kuEgloni inkosi yamaMoabi; uEgloni wa e ngumuntu okulupeleyo.

18 Kwa ti e se qedile ukumnika isipo, wa mukisa abantu aba be si twele isipo.

19 Kepa yena wa buya ePesilimi eli nga seGilgali, wa ti, Nkosi ngi nendaba engi ya kukubikela yona ngasese; Wa ti, A ku tule. Kona bonke aba beni naye ba puma.

20 uEhudi wa sondela kuye; wa e hlezi endhlini epezulu epolileyo; uEhudi wa ti, Ngil nendaba ka Tixo kuwe. Kona wesuka esibhlalweni.

21 uEhudi wa selula isandhla sake sokohlo, wa tabata inkemba etangeni lake lokunene, wa m gwaza esiswini ngayo;

22 Isandhla sayo sa ngena nenkemba,

amafuta a hlanguana enkembeni, ngokuba ka i kipanga inkemba esiswini, ya puma esinqeni.

23 uEhudi wa pumela ebalkonini, wa vala izicaba zendhlu e pezulu emva kwake, wa zi hlutulela.

24 Nxa e se pumile yena, izinceku zake ze za, za cinga, bheka, izicaba zendhlu e pezulu za zi hlutululwe, za ti, Impela u yembesa izinyawo zake endhlini yake epolileyo.

25 Ba hlala ba ze ba jaba; bheka, izicaba zendhlu epezulu a zi vulwanga muntu; ngako ba tabata isihlutulelo ba zi vula; bheka, inkosi yabo ya i wile pansi i file.

26 Kepa uEhudi wa baleka, be sa libala, wa e se dlulile ePesilimi, wa balekela eSira.

27 Kwa ti ekufikeni kwake, wa tyaya itilongo ezintabeni za kwaEfraimi, abaka Israeli behla, naye ezintabeni, e hamba panibi kwabo.

28 Wa ti kubo, Tyetyani emva kwami, ngokuba uJehova u nikele izita zenu amaMoabi esandhleni senu. Behla emva kwake, ba vimba amazibukweni a seJordanani, nga seMoabi, a ba vumanga ukuba ku wele muntu.

29 Ba bulala amaMoabi ngalesosikati, ku nga ti abantu aba izingulungwane ezi ishumi, abakulupeleyo bonke, be ngamaqawe bonke, a ka sindanga umuntu.

30 Kwa njalo amaMoabi a nqotywa abaka Israeli ngalolosuku; izwe la hlala li tule iminyaka emashumi ashiyagalolunye.

31 Na semva kwake wa e kona uShamgari indodana ka Anati; yena wa bulala amaFilibisti amakulu a isitupa ngoti lwezinkabi, naye wa sindisa abaka Israeli.

#### ISAHLUKO 4.

**A**BAKA Israeli ba pinda benza okubi pambi kuka Jehova, e se file uEhudi.

2 uJehova wa ba nikela esandhleni sika Jabini inkosi ya seKenani owa busa eHazoni, induna yempi yake ya i nguSisera, owa hlala eHaosheti labezizwe.

3 Abaka Israeli ba kala kuJehova; ngokuba wa e nezingqola zensimbi ezimakulu ashiyagalolunye, wa ba cindezela abaka Israeli ngamandhla iminyaka emashumi amabili.

4 uDehora, umprofeti, umka Lapidoti, wahlula abaka Israeli ngalesosikati.

5 Wa e hlala pansi komtemari ka Debora, pakati kweRama neBeteli, entabeni ya kwaEfraimi; abaka Israeli ba kupukela kuye ekwahluleni.

6 Wa tuma wa m biza uBaraki indodana ka Abinoami wa seKedeshnaftali, wa ti kuye, uJehova uTixo ka Israeli ka ku yalanga ini ngokuti, Hamba u qonde entabeni yeTabori, u ye nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi, abaka Naftali, nabaka Zebuloni?

7 Ngi wa kumholola kuwe, emfuleni weKishoni, uSisera induna yempi ka Jabini, nezingqola zake nempi yake; ngi m nikele esandhleni sako?

8 uBaraki wa ti, Uma u hamba nami, ngi wa kuhamba, kepa uma u nga hambani nami, a ngi yi kuhamba.

9 Wa ti, Impela ngi wa kuhamba nawe; kodwa a u yi kutola udumo ngomsebenzi o hamba ngawo, ngokuba uJehova u ya kumnikela uSisera esandhleni somfazi. uDehora wesuka, wa ya eKedeshi noBaraki.

10 uBaraki wa biza oZebuloni noNaftali ukuba beze eKedeshi; wa kupuka nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi aba m landelayo; naye uDehora wa kupuka.

11 uHeberu umKeni, owabaka Hobabi uyise womka Mosi, wa e hlubukile kumaKeni, wa misa utente wake ngaseAloni laseZanaimi, eli ngaseKedeshi.

12 Kwa bikwa kuSisera ukuti, uBaraki indodana ka Abinoami u kupukile ukuya entabeni yeTabori.

13 uSisera wa mema izinqola zonke zake, izinqola ezimakulu a shiyagalolunye zensimbi, nabantu bonke aba naye ku suke eHarosheti lezizwe ku ze ku fike emfuleni weKishoni.

14 uDehora wa ti kuBaraki, Suka, ngokuba namhla ku usuku uJehova a nikela ngalo uSisera esandhleni sako; uJehova ka hambani pambi kwako na? uBaraki wesuka wehla entabeni yeTabori, nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi abamlandelayo.

15 uJehova wa pitizisa uSisera, nezingqola zonke, nempi yonke, ngobukali benkemba pambi kuka Baraki; uSisera wehlika enqoleni yake, wa baleka ngezinyawo.

16 uBaraki wa xotya izinqola nempi wa za wa fika eHarosheti lezizwe; impi yonke ka Sisera ya wa ebukalini benkemba; akwa sala muntu.

17 Kepa uSisera wa baleka ngezinyawo

wo, wa fika kutente ka Jaeli umka Heberu umKeni; ngokuba kwa ku kona ukuhlangana pakati kuka Jabini inkosi ya seHazori nendhlu ka Heberu umKeni.

18 uJaeli wa puma ukumhlangabeza uSisera, wa ti kuye, Pambukela, nkosi yami, pambukela kimi, u ngesabi; wa pambukela kuye, kutente, wa m embesa ngengubo.

19 Wa ti kuye, A ku ngi puzise incozana yamanzi, ngokuba ngomile. Wa vumbula igaba lobisi, wa m puzisa, wa m embesa.

20 Wa ti kuye, Yima emnyango ka tente, ku ya kuti, nxa ku fika umuntu a buze kuwe, a ti, Ku kona umuntu lapa na? wo ti, A ku ko muntu.

21 uJaeli umka Heberu wa tabata isikonkwane sika tente, wa tabata isando ngesandhla, wa ngena kahle kuye, wa m betela esikaleni sendhlebe ngesikonkwane, sa dhlula sa ngena emhlabatini, ngokuba wa e lela ubutongo, e diniwe. Kwa njalo wa fa.

22 Bheka, uBaraki wa m xotyia uSisera, uJaeli wa pumela ukumhlangabeza, wa ti kuye, Wo za, ngi ya kukubonisa umuntu o m funayo. Wa ngena kuye, bheka, uSisera wa e lele, e file; isikonkwane si sesikaleni sendhlebe.

23 Kwa njalo ngalolosuku uTixo wa nqoba uJabini inkosi ya seKenani pambi kwabaka Israeli.

24 Isandhla sabaka Israeli sa qubeka sa ba nzima pezu kuka Jabini inkosi ya seKenani ba za ba m qeda uJabini inkosi ya seKenani.

#### ISAHLUKO 5.

**K**ONA wa hlabelela uDebora noBarasuku, ba ti,

2 Ngokuhola kwabholeli kwaIsraeli, ngokuzinikela kwabantu, bongani uTixo.

3 Yizwani, nina makosi; lalalani, nina zikulu; mina ngi ya kuhlabelela kuJehova, ngi ya kugwaba kuJehova, uTixo ka Israeli.

4 Jehova, ekupumeni kwako eSira, ekusukeni kwako ezweni la kwaEdomi, umhlaba wa zamazama, nezulu la tonsa, yebo amafu a tonsa amanzi.

5 Izintaba za tutumela pambi kuka Jehova, leliSinai pambi kuka Jehova, uTixo ka Israeli.

6 Ezinsukwini zika Shamgari, indodana ka Anati, ezinsukwini zika Jaeli,

izindhlela za shiywa, izihambi za hamba ngezindhlela ezimazombezombe.

7 Kwa pela ababusi kwaIsraeli, ba pela nga za nga vuka mina Debora, nga vuka ngi unina kwaIsraeli.

8 Ba be ketile otixo abatya; ngako kwa ku kona impi emasangweni abo; kwa bonwa ini isihlangu nomkonto kuzo izinkulungwane ezimashumi amane za kwaIsraeli.

9 Inhliziyo yami ya i nabahluli ba kwaIsraeli, aba zinikelayo ba sebantwini; bongani uJehova.

10 Nina bakwelayo izimbongolo ezimhlope, nina bahlalayo emacansini, nani bahambayo endhleleni, hlabelelani.

11 Ezindaweni zomsindo wabemicibityolo emitonjeni, ba ya tusa kona ukulunga kuka Jehova, ukulunga kokubusa kwake kwaIsraeli, kona abantu baka Jehova ba ya kwehlela emasangweni.

12 Vuka, vuka, Debora, vuka, vuka, uqambe igama; Suka, Baraki, u hambe nabatunjweyo bako, wena ndodana ka Abinoami.

13 Kona abaseleyo behlela kwabana-mandhla, abantu baka Jehova behlela nami kumaqawe.

14 Kwa vela kuEfraimi uhlanga lwalwayo noAnnaleki, emva kwako uBenjamin ebantwini bako, abahluli ba vela kuMakiri, na kuZebuloni abapata uti lombali.

15 Nezikulu za kwaIsakari za zi kona noDebora, yebo, uIsakari wa e isisekelo sika Baraki; wa ziponsa emfuleni emva kwake; kepa nga semfuleni ka Rubeni kwa ku kona ukuceba okukulu kwenhliziyo.

16 Wa hlalalani nga sezibayeni u lalala abavenge emihlambi; nga semfuleni ka Rubeni kwa ku kona ukueingakukulu kwenhliziyo.

17 uGiladi wa hlala pesheya kweJordan; noDani wa hlalalani nga semikunjini; uAsheri wema ngasogwini lolwandhle, wa hlala kahle nga sematekwini ake.

18 Kupa uZebuloni noNaftali, abantu aba zidela ezindaweni ezipakemeyo.

19 Amakosi eza, a lwa; kona amakosi a seKenani a lwa eTanaki nga semanzini a seMegido; a ba i tabatanga inzuzo yemali.

20 Kwa liwa ezulwini, izinkanyezi ezindhleleni zazo za lwa noSisera.

21 Umfula weKishoni wa ba kukula,

umfula wokusiza umfula weKishoni. Mpefumlo wami, nyatela ngamandhla.

22 Kona izinselo zamahashi za tyaya pansi ngokubaleka, ukubaleka kwamaqawe a wa kweleyo.

23 Tukani iMerozi, ya tyo ingelosi ka Jehova, tukani kakulu abantu balo, ngokuba a bezanga ukumsiza uJehova, ukumsiza uJehova ukulwa namaqawe.

24 Wo busiswa kwabesifazana uJaeli umka Heberu umKeni, wo busiswa kwabesifazana botente.

25 Wa cela amanzi, wa m nika ubisi, wa leta amasi ngesitya senkosi.

26 Wa tabata isikonkonkwane ngesandhla, nesando sezisebenzi ngesandhla sokunene; wa m tyaya uSisera, wa gwa-za ikanda, wa m hlaba, wa m betela esikaleni sendhlebe.

27 Nga sezinyaweni zake wa zi fingqa, wa wa, wa lala; nga sezinyaweni zake wa zifingqa, wa wa, e sa zifingqa wa wa, ebulewe.

28 Unina ka Sisera wa bheka esibukweni, wa memeza entubeni, wa ti, Inqola yake i libalalani ukuza? amasondo ezinqola zake a libaziswa ini?

29 Amakosazana ake aqondileyo a pendula, yebo, wa zipendula;

30 A ba yi kutola ini, ba zabele impango, ku be ilowo abelwe intombi, noma zimbili; uSisera impango yezingubo ezi nemibala, impango yezingubo ezi nemibala, zi feketisiwe, ileyontamo yabapangiweyo yabelwe ingubo e nemibala, ezimbili ezifeketisiweyo.

31 Kanjalo ma zi bube izita zonke zako, Jehova; kepa abamtandayo a ba be njengokupuma kwelanga emandhleni alo: Izwe la hlala li tule iminyaka emashumi amane.

### ISAHLUKO 6.

**K**EPA abaka Israeli benza okubi pambi kuka Jehova, uJehova wa ba nikela esandhleni samaMidiani iminyaka e isikombisa.

2 Isandhla samaMidiani sa si namandhla pezu kuka Israeli; ngenxa yamaMidiani abaka Israeli ba zenzela imihume e sezintabeni, nemibalu, nezinqaba.

3 Kwa ti, nxa abakaIsraeli se be lile, kwa kupuka amaMidiani, namaAmaleki, naba sempumalanga, ba kupukela kubo;

4 Ba misa ngakubo, ba cita izitelo zomhlaba ku ze ku fike eGaza; ka ba shi-

yanga ukudhla kwaIsraeli, nezimvu, nezinkomo, nezimbongolo.

5 Ngokuba ba kupuka nezinkomo zabo notente babo, beza njengesikonyane ngobuningi; ba be nge nakubalwa bona namakamelo abo; ba ngena ezweni ukuba ba li cite.

6 Ba ti abakaIsraeli ba pela amandhla kakulu ngenxa yamaMidiani; abaka Israeli ba kala kuJehova.

7 Kwa ti, nxa abaka Israeli be sa kala kuJehova ngenxa yamaMidiani,

8 uJehova wa tuma umprofeti kwabakaIsraeli, owa ti kubo, U tyo uJehova uTixo ka Israeli, u ti, Nga ni kupula ezweni la sEgipite, nga ni kipa endhlini yezingqili,

9 Nga ni kulula esandhleni sabaEgipite, na sesandhleni sabo bonke aba ni hlupayo, nga ba xotya pambi kwenu, nga ni nika izwe labo;

10 Nga ti kini, Ngi nguJehova uTixo wenu; ni nga hlonipi otixo bamaAmori, eni hlezi ezweni lawo; kepa a ni lalanga izwi lami.

11 Kwa fika ingelosi ka Jehova, ya hlala pansi komala o seOfra lika Josashi, umAbiezeri; uGideoni indodana yake wa e bula ukolweni esikamweni sevinu, ukuba a m tukuse kumaMidiani.

12 Ingelosi ka Jehova ya bonakala kuye, ya ti kuye, uJehova u nawe, wena qawe eli namandhla.

13 uGideoni wa ti kuyo, E, ukosi yami, uma uJehova e nati, konke loku ku sehlele ngani na? zi pi izimangaliso zake aba si tyela ngazo obaba, be ti, uJehova ka si kupulanga Egipite na? kepa manje u si lahlile wa si nikela esandhleni samaMidiani.

14 uJehova wa m bheka, wa ti, Hamba ngalawa mandhla ako, u sindise abakaIsraeli esandhleni samaMidiani; a ngi ku tumanga na?

15 Wa ti kuye, E nkosi yami, ngi ya kusindisa abakaIsraeli ngani? bheka, indhlu yami impofana kwaManasa, nami ngi ngomncinyane endhlini ka baba.

16 uJehova wa ti kuye, Impela ngi ya kuba nawe, u ya kuwatyaya amaMidiani ku nga ti umuntu nanye.

17 Wa ti kuye, Uma ngi fumene umusa emehlweni ako, u ngi nike isiboniso sokuti u nguweni o kuluma nami.

18 U ngemuki lapa ngi ze ngi buyele kuwe, ngi lete umnikelo wami, ngi u beke pambi kwako. Wa ti, Ngi ya kulhala u ze u buye.

19 uGideoni wesuka wa ya, wa lungisa izinyane lembuzi nezinkwana ezi nga vutyelwe zeeffa lempupu; inyama wa i beka kubaskiti, nomhluzi wa u beka ebodweni, wa ku yisa kuye pansu komala, wa ku nikela.

20 Ingelosi ka Tixo ya ti kuye, Tabata inyama nezinkwana, ezi nga vutyelwe, u zi beke kulelitye, u tulule umhluzi. Wenze njalo.

21 Ingelosi ka Jehova yelula isihloko senduku eya i sesandhleni, ya tinta inyama nezinkwana ezi nga vutyelwe, kwa puma unlilo etyeni; wa qeda inyama nezinkwana ezi nga vutyelwe. Kona ingelosi ka Jehova yemuka emehlweni ake.

22 uGideoni wa bona ukuti ku ingelosi ka Jehova, uGideoni, wa ti, Au, Nkosi, Jehova! ngokuba ngi bonile ingelosi ka Jehova, nga bhekana nayo.

23 uJehova wa ti kuye, Ukutula a ku be kuwe, u ngesabi; a u yi kufa.

24 uGideoni wa m akela kona uJehova ilati, wa li qamba uJehova-shalomi; na namhla li kona eOfra lamaAbiezeri.

25 Kwa ti ngalobobusuku uJehova wa ti kuye, Tabata inkabi ka yihlo, nenkabi yesibili e neminyaka e isikombisa, u bidhlize ilati lika Bali, a nalo uyihlo, u gaule uAshera o pezu kwalo;

26 U m akele uJehova uTixo wako ilati kulenqaba pezulu, ngokuhlela, u tabate inkabi yesibili, u nikele umnikele wokutyiswa ngezinkuni zika Ashera o za kumgaula.

27 uGideoni wa tabata abantu aba ishumi ezisebenzini zake wenza njengokuty kuka Jehova kuye; kepa ngokuba wesaba ukwenza emini, ngenxa yabendhlu ka yise nabantu bomuzi, wenza ebusuku.

28 Ngokuvuka kwabantu bomuzi ekuseni, bheka, ilati lika Bali la li bidhliziwe, noAshera owa pezu kwalo wa e gauliwe, nenkabi yesibili ya i nikelwe elatini ela lakiwe.

29 Ba kuluma bodwa ba ti, Kwenziwe ubani loku na? Ba buza ba e inga, ba ti, uGideoni indodana ka Joashi u kwenzile loku.

30 Kona abantu bomuzi ba ti, kuJoashi, Kipa indodana yako ukuba i fe, ngokuba u bidhlizile ilati lika Bali, na ngokuba u gaule uAshera owa e pezu kwalo.

31 uJoashi wa ti kubo bonke aba belwa naye, Ni ya kunlwela uBali na?

ni ya kumsindisa na? lowo o m lwelayo uBali ka fe; a si hlale ku ze ku se; uma e utixo, ka zipikele, ngokuba u bidhlizile ilati lake.

32 Ngako ngalolosuku ba m qamba uJerubali, be ti, uBali ka pikisane naye, ngokuba u bidhlizile ilati lake.

33 Kwa butana amaMidiani, nama-Amaleki, naba sempumalanga, ba wela, ba misa esihlanjeni sa seJezreli.

34 Umoya ka Jehova wa fika kuGideoni, wa tyaya itilongo; kwa hlangana naye amaAbiezeri.

35 Wa tuma izigijimi kubo bonke abakaManasa; nabo ba hlangana naye; wa tuma izigijimi na kumaAsheri, na kumaZebuloni; na kumaNaftali, a kupuka ukuhlangana nabo.

36 uGideoni wa ti kuTixo, Uma u za kusindisa abakaIsraeli ngesandhla sami njengokuty kwako,

37 Bheka, ngi ya beka uboya bemvu esibuyeni sokubula, uma ku kona amazolo eboyeni bodwa, kome emhlabatini wonke, ngi ya kwazi ukuti, u ya kusindisa abakaIsraeli ngesandhla sami nje ngokuty kwako.

38 Kwa njalo, ngangomso ngokuvuka kwake ekuseni, wa kama uboya, wa kipa amazolo eboyeni, kwa gewala isitya amanzi.

39 uGideoni wa ti kuTixo, Ma u nga ngi tukuteleli, ngi ya kukuluma kanye kupela; ma ngi linge ngoboya kanye kupela; a ku hlale komile eboyeni bodwa, ku be kona amazolo emhlabatini wonke.

40 Wenza njalo uTixo ngalobobusuku; kwa komile eboyeni bodwa, kepa kwa ku kona amazolo emhlabatini wonke.

## ISAHLUKO 7.

**W**A vuka ekuseni uJerubali, o nguGideoni, nabantu bonke aba be naye, ba misa ngaseEnharodi; ikamu lama-Midiani la li ngasenyakato kwake, ngasentabeni ka Mora, esihlanjeni.

2 uJehova wa ti kuGideoni, Ba ningi abantu aba nawe ukuba ngi wa nikele amaMidiani esandhleni sabo, funa abakaIsraeli ba zigabise kimi, be ti, Isandhla sami si ngi sindisile.

3 Ngako memezake ezinhlebeni zabantu, u ti, Lowo o sabayo e novalo, ka buye, amuke entabeni yeGiladi. Kwa buye abantu aba izinkulungwane ezimashumi amabili; kwa sala aba izinkulungwane ezi ishumi.

4 uJehova wa ti kuGideoni, Abantu ba se baningi; behlisele ngasemanzini, ngo ku lingela bona kona; a ku ti, lowo engi ya kutyo ngaye kuwe ukuti, Lo u ya kuhamba nawe, yena wo hamba nawe; na lowo engi ya kutyo ngaye kuwe ukuti, Lo ka yi kuhamba nawe, yena ka nga hambi.

5 Wa behlisele ngasemanzini; uJehova wa ti kuGideoni, Bonke aba xapa amanzi ngolimi njengokuxapa kwenja, ba beke bodwa; nabo bonke aba guqa ngamadolo ukuba ba puze.

6 Ukuma kwabaxapayo, be beka isandhla emlonyeni, kwa ku ngabantu amakulu amatatu; bonke abanye abantu ba guqa ngamadolo ukuba ba puze amanzi.

7 uJehova wa ti kuGideoni, Ngalabantu abamakulu amatatu, ngi ya kuku-sindisa, ngi wa nikele amaMidiani esandhleni sako, ma ba hambe bonke abanye abantu, ku be ilowo a ye endaweni yake.

8 Besuka ba pata umpako wabantu esandhleni sabo, namatilongo; bonke abanye abantu baka Israeli wa ba buyisela kwa ba ilowo kutente wake, kwa sala labobantu abamakulu amatatu. Ikamu lamaMidiani la li ngasenzansi kwa-ke esihlanjeni.

9 Kwa ti ngalobobusuku, uJehova wa ti kuye, Suka, wehle u ye ekamu, ngokuba ngi li nikile esandhleni sako.

10 Kepa uma wesaba ukwehla, yehla wena noFura inceku yako, ni ye ekamu.

11 U ya kuzwa aba ku tyoyo; kona izandhla zako zi ya kuqiniswa, ukuba wehlele ekamu. We sika wehla yena, noFura inceku yake, wa ya ecaleni kwabahlomileyo aba ngasekamu.

12 AmaMidiani, namaAmaleki, nabo bonke aba sempumalanga, ba be hlezi kona esihlanjeni njengesikonyane ngobuningi, amakamelo abo a e nge naku-balwa, e njengesihlabati esi sogwini lolwandhle ngobuningi.

13 Ngokufika kwake uGideoni, bheka, umuntu wa e landa ipupo kowazana naye, wa ti, Bheka, nga pupa ipupo; bheka isinkwana sebarle sa gingqikela ekamu lamaMidiani, sa fika kutente, sa m tyaya wa za wa wa, sa m gumbuqela, wa za wa lala pansu utente.

14 Owazana naye wa pendula wa ti, Loku a ku sinto, kupela inkemba ka Gideoni indodana ka Joashi, umuntu ka Israeli; uTixo u nikele esandhleni sake amaMidiani nekamu lonke.

15 Kwa ti, uGideoni e sezwa ukulandwa kwepupo nokucasiselwa kwalo, wa kuleka, wesuka wa buyela ekamu lika Israeli, wa ti, Sukani ngokuba uJehova u nikele esandhleni senu ikamu lamaMidiani.

16 Wa bahlukanisa labobantu abamakulu amatatu wa benza izigaba ezitatu, wa ba nika kwa ba ilowo itilongo esandhleni sake, nesitya esize, nobaqa lu sesityeni.

17 Wa ti kubo, Bhekani kimi, nenze njalo, bhekani, nxa ngi fika ecaleni kwekamu, ko ti, njengaloku ngenza, a no kwenza njalo.

18 Nxa ngi tyaya itilongo, mina nabo bonke aba nami, a no tyaya itilongo nani inxa zonke zekamu, ni ti, Inkemba ka Jehova neka Gideoni.

19 uGideoni nabantu aba ikulu aba be naye ba fika ecaleni kwekamu ekuqaleni komlindo o pakati kobusuku, abalindi ba be sa qedukubekwa; ba tyaya amatilongo, ba zapula izitya aba zi patayo.

20 Abezigaba ezintatu ba tyaya amatilongo bapula izitya, ba pata izimbaqa ngezandhla zokohlo, namatilongo ngezandhla zokunene, ukuba ba wa tyaye, ba memeza ba ti, Inkemba ka Jehova neka Gideoni.

21 Bema kwa ba ilowo endaweni yake, be haqa ikamu; bonke aba sekamu ba gijima, ba kala, ba baleka.

22 Kepa labobantu abamakulu amatatu ba tyaya amatilongo, uJehova wa benza ukuba ba gwazana ngenkemba kulo lonke ikamu; ikamu la baleka la za la fika eBethita ngase Zerera ku ze ku fike ecaleni leAbelmehola, ngase-Tabati.

23 Abantu baka Israeli ba butana, aba kwaNaftali, naba kwaAsheri, nabo bonke ba kwaManasa, ba wa xotya amaMidiani.

24 uGideoni wa tuma izigijimi entabeni yonke ya kwaEfraimi, wa ti, Yehlani ni ze kumaMidiani, ni ba vimbele emanzini a pambi kwabo ku ze ku fike eBetabara, neJordani. Bonke abakwa Efraimi ba butana, ba vimbela amanzi ku ze ku fike eBetabara neJordani.

25 Ba bamba izikulu ezibili zamaMidiani, uOrebi noZebi; ba m bulala uOrebi edwaleni lika Orebi; ba m bulala uZebi esikamweni seveni sika Zebi, ba xotya amaMidiani; ba leta inhloko ka Orebi neka Zebi kuGideoni be buya nazo pesheya kweJordani.

ISAHLUKO 8.

**A**BANTU ba kwaEfraimi ba ti kuye, Ku ini loku o kwenzileyo kitina, loku a u si bizanga, u ti u za kuya ukulwa namaMidiani? ba pikisana naye ngamandhla.

2 Wa ti kubo, Ngenzeni mina uma ku linganiswa nokwenu? ukukotoza kwa-maEfraimi a ku lungile ini ku nokuvuna kwamaAbiezeri?

3 uJehova u nikele ezandhleni zenu izikulu zamaMidiani, uOrebi noZebi; nga ngi ngenzani uma ku linganiswa nokwenu na? Konake ukumtukutelela kwa bohla, e sa tyo loko.

4 uGideoni weza eJordani wa wela, yena nabantu abamakulu amatatu aba be naye, be lambile, be xotya noko.

5 Wa ti kubantu ba seSukoti, A ke ni ba pe abantu aba hamba nami izinkwa, ngokuba ba lambile, ngi ya ba xotya oZeba noZalmuna, amakosi amaMidiani.

6 Kepa izikulu za seSukoti za ti, Izandhla zika Zeba noZalmuna se zi sesandhleni sako na, ukuba si nike impi yako ukudhla?

7 uGideoni wa ti, Ngako nxa uJehova e se ba nikele oZeba noZalmuna esandhleni sami, ngi ya kubula imizimba yenu ngameva a sehlane na ngamabarekani.

8 Wa kupuka kona wa ya ePanili, wa kuluma kubo ngokunjalo; abantu ba sePanili ba m pendula njengaloku ba m pendula abantu ba seSukoti.

9 Wa kuluma kubantu ba sePanili, wa ti, Nxa ngi buya kahle, ngi ya kubidhliza lenqaba.

10 uZeba noZalmuna ba be seKarkori, nemp i yabo ya i kona nabo, ku nga ti aba izinkulungwane ezi ishumi nesihlanu, bonke aba be sele empini yaba sempumalanga; kwa ku wile abantu aba hloma inkemba aba izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili.

11 uGideoni wa kupuka ngendhlela yabahlala kotente, nga sempumalanga kweNoba neJogbeha, wa nqoba impi, impi i sa ti i geinekile.

12 uZeba noZalmuna ba baleka, kepa wa ba xotya, wa wa bamba amakosi omabili amaMidiani, uZeba noZalmuna, wetusa impi yonke.

13 uGideoni indodana ka Joashi wa buya ekulweni nga sekwenyukeni kwelanga.

14 Wa bamba umfana wa sebantwini

ba seSukoti, wa buza kuye; yena wa m lobela izikulu za seSukoti, namalunga alo, abantu abamashumi a isikombisa nesikombisa.

15 Weza kubantu ba seSukoti, wa ti, Namba oZeba noZalmuna, ena ngeisa ngabo, na ti, Isandhla sika Zeba nesika Zalmuna se zi sesandhleni sako, ukuba si ba pe abantu bako abalambileyo ukudhla.

16 Wa tabata amalunga omuzi, nameva ehlane, namabarekani, wa ba fundisa ngawo abantu ba seSukoti.

17 Wa bidhliza inqaba ya sePanili, wa bulala abantu bomuzi.

18 Wa ti kuZeba na kuZalmuna, Ba be njani labobantu ena ba bulala eTabori? Ba ti, Ba be njengawe; kwa ba ilowo wa fana nomntwana wenkosi.

19 Wa ti, Ba be ngabafo wetu, amadodana ka maine; Jehova, uma be ni ba geinile bona ba sinda be ngi nga yi kunibulala.

20 Wa ti kuJeteri owamazibulo wake, Suka u ba bulale. Kepa umfana ka hoshanga inkemba yake, ngokuba wa e umfana.

21 Kona uZeba noZalmuna ba ti, Suka wena, u si bulale; ngokuba njengendoda a njalo amandhla ayo. Wa se e suka uGideoni wa bulala uZeba noZalmuna, wa tabata izinyangana eza zi sezintanyeni zamakamelo abo.

22 Abantu baka Israeli ba ti kuGideoni, Yiba inkosi yetu, wena, nendodana yako, nendodana yendodana yako; ngokuba u si sindisile esandhleni samaMidiani.

23 uGideoni wa ti kubo, A ngi yi kuba inkosi yenu, nendodana yami a i yi kuba inkosi yenu; uJehova u ya kuba inkosi yenu.

24 uGideoni wa ti kubo, Ma ngi kuleke into kini; ngi niken i ku be ilowo izindandato zempango yake. (Ba be nezindandato zegolide, loku ba be ama-Ishmaeli.)

25 Ba ti, Si ya kuzinika ngesihle. Ba yeneka ingubo, ba ponsa kona, kwa ba ilowo izindandato zempango yake.

26 Insindo yezindandato zegolide, a zi celayo, ya i ngamashekeli egolide a inkulungwane namakulu a isikombisa, ngapandhle kwezinyangana, neziqaza, nezingubo ezibomvu, eza zembetwe amakosi amaMidiani, ngapandhle kwemigexo eya i sezintanyeni zamakamelo.

27 uGideoni wa lenza iefodi ngazo, wa



li beka emzini wake, eOfra; besuka aba kwaIsraeli bonke ba pinga nalo; la ba umgibe kuGideoni nendhlu yake.

28 Kepa amaMidiani a nqotywa pambi kwabaka Israeli; a ba pinganga ba pakamise ikanda labo. Izwe la hlala li tule iminyaka emashumi amane ezinsukwini zika Gideoni.

29 uJerubali indodana ka Joashi wa ya wa hlala endhlini yake.

30 uGideoni wa e namadodana amashumi a isikombisa, a zalwa uye; ngokuba wa e nabafazi abaningi.

31 Isincinzakazi sake esa si eShekemi, naso sa m zalela indodana, wa qamba igama layo uAbimeleki.

32 uGideoni indodana ka Joashi wafa e se ndala, wembelwa etuneni lika Joashi uyise, eOfra lamaAbiezeri.

33 Kwa ti, e se file uGideoni, abaka Israeli ba buya ba pinga noBali, ba menza uBalberoti a be utixo wabo.

34 AbakaIsraeli a ba m kumbulanga uJehova uTixo wabo, owa ba sindisa eziteni zabo inxa zonke;

35 A benzauga ubunene kuyo indhlu ka Jerubali, uGideoni, njengako konke ukulunga a be kwenzile kuIsraeli.

### ISAHLUKO 9.

**W**ESUKA uAbimeleki indodana ka Jerubali wa ya eShekemi kubafo wabo baka nina, wa kuluma kubo, na kubo bonke ba sekaya kuyise ka nina, wa ti,

2 Kulumanike ezindhlebeni zabo bonke aba seShekemi, ni ti, Kupi okulungileye kinina, ukuba abantu abamashumi a isikombisa, bonke be ngamadodana ka Jerubali, ba be amakosi enu, nokuba umuntu munye a be inkosi yenu? kumbulani ukuti, mina ngi itambo lenu, nenyama yenu.

3 Abafo wabo ka nina ba kuluma ngaye ezindhlebeni zabo bonke aba seShekemi lawamazwi onke; izindhliziyozabo za bheka kuAbimaleki; ngokuba ba ti, U umfo wetu.

4 Ba m nika izinhlamvu zesiliva ezimashumi a isikombisa, ezendhlu ka Balberoti; uAbimeleki wa tola ngazo abafokazana nezidenge; ba m landela.

5 Wesuka wa ya endhlini ka yise, eOfra, wa bulala abafo wabo, amadodana ka Jerubali, abantu abamashumi a isikombisa, etyeni linye; kepa kwa sala uJotamu, indodana encinyane ka Jerubali, ngokuba wa catya.

6 Kwa butana bonke aba seShekemi, nabo bonke a ba seBetmilo, ba ya ba m enza uAbimeleki inkosi, ngaseEloni lensika, eli ngaseShekemi.

7 Kwa bikwa kuJotamu, yena wa ya wema pezulu entabeni yeGerizimu, wa dazuluka, wa memeza, wa ti kubo, Ngi laleleni, nina ba seShekemi, ukuba uTixo a ni lalale.

8 Imiti ye ka ye ya ukuzigobela inkosi; ya ti emhlwatini, Yiba inkosi yetu.

9 Kepa umhlwati wa ti kuyo, Nga ngi yeka amafuta ami, abe engi bongwa uTixo nabantu ngawo, ngi ye ngi zule pezu kwemiti?

10 Imiti ya buya ya ti emkiwaneni, Wo za u be inkosi yetu.

11 Kepa umkiwane wa ti kuyo, Nga ngi yeka ubumrandi bami, nezitelo zami ezinhle, ngi ye ngi zule pezu kwemiti?

12 Imiti ya buya ya ti kulo ivini, Wo za wena u be inkosi yetu.

13 Ivini la ti, Nga ngi yeka iwaini lami eli tokozisa uTixo nabantu, ngi ye ngi zule pezu kwemiti?

14 Ya se i ti imiti yonke emtolweni, Wo za wena, u be inkosi yetu,

15 Umtolo wa ti kuyo imiti, Uma ni ngi goba impela ngi be inkosi yenu, yizani ni ngene emtunzini wami; kepa uma ku nge njalo, a ku pume umlilo emtolweni, u qede imisedari ya seLebanoni.

16 Ngakoke uma nenzile ngokufaneleyo na ngokulungileyo, ngokumenza uAbimeleki inkosi, uma ni m patile kahle uJerubali nendhlu yake, uma nenzile kuye ngokufanele izandhla zake;

17 (Ngokuba ubaba wa ni lwela, wa zidela, wa ni sindisa esandhleni samaMidiani;

18 Kepa ni i vukele indhlu ka Baba namhla, ni bulele amadodana ake, abantu abamashumi a isikombisa, etyeni linye, uAbimeleki, indodana yencekukazi yake, ni m enzile inkosi yaba seShekemi, ngokuba u umfo wenu;)

19 Uma ni m patile uJerubali nendhlu yake ngokufaneleyo na ngokulunga namhla, jabulani kuAbimeleki, naye ka jabule kini;

20 Kodwa uma ku nge njalo, a ku pume umlilo kuAbimeleki u dhle aba seShekemi neBetmilo; nomlilo a u pume kwaba seShekemi na kulo iBetmilo u dhle uAbimeleki.

21 uJotamu wa tyetya wa baleka, wa

ya eBeeri, wa hlala kona, ngenxa ka Abimeleki umfo wabo.

22 uAbimeleki wa busa abakaIsraeli iminyaka emitatu.

23 uTixo wa tuma umoya omubi pakati koAbimeleki nabantu ba seShekemi; aba seShekemi ba m pata uAbimeleki ngenkohliso;

24 Ukuba usizi, o be lwenziwe kuwo amadodana amashumi a isikombisa ka Jerubali, lu fike, negazi labo li bekwe pezu kuka Abimeleki umfo wabo, owa ba bulalayo, na pezu kwaba seShekemi, aba qinisa izandhla zake ukuba a ba bulale abafu wabo.

25 Aba seShekemi ba m bekela abalaleli ezintabeni pezulu; ba panga bonke aba be dhlula kubo ngendhlela; kwa bikwa kuAbimeleki.

26 Kwa fika uGali indodana ka Ebedi nabafo wabo, wa dhlulela eShekemi; aba seShekemi ba m etemba.

27 Ba pumela emasimini, ba vuna izivini, ba wa nyatela amavini, benza imikosi, ba ngena endhlini yotixo wabo, ba dhla, ba puza, ba tuka uAbimeleki.

28 uGali indodana ka Ebedi wa ti, Ubani uAbimeleki, ubani uShekemi, ukuba si m konze? a si indodana ka Jerubali? uZebuli a siyo induna yake? konzani abantu baka Hamori uyise ka Shekemi; si ya kumkonzelani na?

29 Se nga ti lababantu nga be sesandhlani sami! be ngi ya kumsusa uAbimeleki. Wa ti kuAbimeleki, Kulisa impi yako, u pume.

30 uZebuli induna yomuzi wezwa amazwi ka Gali indodana ka Ebedi, wa tukutela.

31 Wa tuma izigijimi kuAbimeleki ngase, wa ti, Bheka, uGali indodana ka Ebedi, nabafo wabo, ba fikile eShekemi; ba ku vusela umuzi.

32 Ngako sukake ebusuku, wena nabantu aba nawe; u lalale endhle;

33 Ku za kuti kusasa, li sa puma ilanga, wo vuka, u hlasele emzini; bheka, yena nabantu aba naye ba ya kupumela kuwe, kona u ya kwenza kuye njengokubona kwako.

34 uAbimeleki nabantu bonke aba be naye besuka ebusuku ba ya ba lalala ngaseShekemi ngezigaba ezine.

35 Wa puma uGali indodana ka Ebedi wena esangweni lomuzi; wesuka noAbimeleki, nabantu aba be naye, endaweni yokulalala.

36 uGali wa bona abantu, wa ti ku-

Zebuli, Bheka, abantu ba yehla ezintabeni pezulu. uZebuli wa ti kuye, U bona amatunzi ezintaba ku nga ti abantu.

37 uGali wa se pinda wa kuluma, wa ti, Bheka, abantu ba yehla ezweni eli pezulu; nesinye isigaba si yeza ngendhlela ya seEloni-Mehonenini.

38 uZebuli wa se e ti kuye, Po, u pi manje umlomo wako, owa tyo ngawo ukuti, Ubani uAbimeleki, ukuba si m konze? a sibo lababantu owa beisayo na? Pumake, u lwe nabo.

39 uGali wa puma e hamba pambi kwaba seShekemi wa lwa noAbimeleki.

40 uAbimeleki wa m xotywa, ba baleka pambi kwake; abaningi ba wa be bulewe, ku ze ku fike na sesangweni.

41 uAbimeleki wa hlala eAruma: uZebuli wa m xotywa uGali nabafo wabo, ukuba ba nga hlali eShekemi.

42 Kwa ti ngangomso abantu ba ya endhle; kwa bikwa kuAbimeleki.

43 Wa se e tabata abantu, wa bahlukanisa wa benza izigaba ezitatu, wa lalala endhle; wa kangela, bheka abantu be sa puma emzini; wa ba yukela, wa ba bulala.

44 uAbimeleki nesigaba esa si naye, sesuka sa ya sema esangweni lomuzi; ezinye izigaba ezibili zesuka za ya kubo bonke aba be sendhle, ba ba bulala.

45 uAbimeleki wa lwa nomuzi ngalolosuku lonke; wa nqoba umuzi, wa bulala abantu aba be kuwo, wa u bidhliza umuzi, wa hlwanyela usaoti kuwo.

46 Ngokuzwa loko bonke abenqaba ya seShekemi, ba ngena enqabeni yendhlu ka Elberiti.

47 Kwa bikwa kuAbimeleki kwa tiwa, bonke abenqaba ya seShekemi ba butene kona.

48 uAbimeleki wa se e kupukela entabeni yeZalmoni, yena nabantu bonke aba be naye; uAbimeleki wa tabata imbazo ngesandhla, wa gaula igatya emitini, wa li tabata, wa li beka ehloombe, wa ti kubantu aba be naye, Loku eni bona ngi kwenza tyetyani ni kwenze njengami.

49 Abantu bonke ba gaula, kwa ba ilowo igatya lake, ba m landela uAbimeleki, ba wa beka enqabeni, ba i tyisa inqaba ngomlilo pezu kwabo; ba fa nabonke abenqaba ya seShekemi, ku nga ti, aba inkulungwane, abesilisa nabesifazana.

50 Kona uAbimeleki wa ya eTebezi, wa li haqa iTebezi, wa li nqoba.

51 Keba kwa ku kona inqaba e nama-ndhla pakati komuzi, ba balekela kona bonke abesilisa nabesifazana, nabo bonke abomuzi, ba zivalela pakati, ba kupuka ba ya pezulu enqabeni.

52 uAbimeleki wa ya enqabeni, wa lwa nayo, wa sondela emnyango wenqaba ukuba a i tyise ngomlilo.

53 Keba umfazi otila wa ponsa itye la pezulu lokusila pezu kwekanda lika Abimeleki, wa coboza ikanda lake.

54 Wa se e tyetya e biza insizwa eya pata izikali zake, wa ti Kipa inkemba yako u ngi bulale, funa ku tiwe, Wa bulawa umfazi. Insizwa yake ya m gwa-za, wa fa.

55 Aba kwaIsraeli se be bonile ukuti uAbimeleki u file, besuka kwa ba ilowo wa ya endaweni yake.

56 Kwa njalo uTixo wa buyisa ububi buka Abimeleki, a be e benzile kuyise, ngokubulala abafu wabo abamashumi a isikombisa.

57 Nobubi bonke babo aba seShekemi wa bu buyisela pezu kwamakanda abo; behlelwa isituko sika Jotamu indodana ka Jerubali.

#### ISAHLUKO 10.

**K**WA vuka, emva kuka Abimeleki ukusindisa abaka Israeli, uTola indodana ka Pua, indodana ka Dodo, wa kwafakari; wa e hlala eShamiri, entabeni ya kwa Efraimi.

2 Wahhlula uIsraeli iminyaka emashumi amabili nantatu, wa fa, wembelwa eShamiri.

3 Kwa vuka emva kwake uJaire, umGiladi, wahhlula abakaIsraeli iminyaka emashumi amabili nambili.

4 Wa e namadodana amashumi amatatu, a kwela ezimbongolweni ezimashumi amatatu, a e nenizi emashumi amatatu, e tiwa iHavotijaire na namhla, e sezweni la seGiladi.

5 uJaire wa fa, wembelwa eKamoni.

6 AbakaIsraeli ba pinda benza okubi pambi kuka Jehova, ba konza oBali noAshtarote, notixo ba seSiria, notixo ba seZidoni, notixo ba seMoabi, notixo babaka Amoni, notixo bamaFilisti, ba m dela uJehova, a ba m konza.

7 uJehova wa tukutelela abakaIsraeli, wa ba nikela esandhleni samaFilisti na sesandhleni sabaka Amoni.

8 Ba ba kataza, ba ba cindezela abaka Israeli ngalomnyaka; iminyaka e ishumi na shiyagalombili ba cindezela bonke

abaka Israeli aba ngapesheya kweJordan, ezweni lamaAmori, eli seGiladi.

9 Futi; abaka Amoni ba wela iJordan, ukuba ba lwe noJuda, noBenjamini, nendhlu kaEfraimi; ba hlupeka kakulu abakaIsraeli.

10 Abaka Israeli ba kala kuJehova, ba ti, Sonile kuwe, ngokuba si m shiyele uTixo wetu, si ba konzile oBali.

11 uJehova wa ti kwabaka Israeli, A ngi ni sindisanga ini kubo aba seEgipite, na kumaAmori, na kwabaka Amoni, na kumaFilisti?

12 amaZidoni, namaAmaleki, namaMaoni a ni hlupa, na za na kala kimi, kona nga ni sindisa esandhleni sawo.

13 Ni ngi delile, na kouza abanye otixo noko; ngako a ngi yi kupinda ngi ni sindise.

14 Hambani, ni kale kotixo eni ba ketileyo; ka ba ni sindise ngesikati sokuhlupeka kwenu.

15 Abaka Israeli ba ti kuJehova, Sonile; yenza kitini okufaneleyo ngokubona kwako; kodwa a ke u si sindise namhla.

16 Ba susa otixo bezizwe ba konza uJehova; inhliziyo yake yahluleka ngokuhlupeka kwabo.

17 Abaka Amoni ba menywa ba misa eGiladi; abaka Israeli ba butana ba misa eMizpa.

18 Abantu, izikulu za seGiladi, ba kuluma bodwa, ba ti, U mupi umuntu o ya kuqala ukulwa nabaka Amoni? yena u ya kuba inhloko yabantu bonke ba seGiladi.

#### ISAHLUKO 11.

**U**JEFETA, umGiladi, wa e iqawe eli namandhla, wa e indodana yesifebe; uGiladi wa zala uJefeta.

2 Umka Giladi wa m zalela amadodana; amadodana omkake a kula, a m xotya uJefeta, a ti kuye, A u yi kulidhla ifa endhlini ka baba, ngokuba u indodana yomfazi omunye.

3 uJefeta wa se e baleka, e suka kubafu wabo, wa hlala ezweni la seTobi; kwa butana kuJefeta abantu aba imihambima, ba puma naye.

4 Kwa ti emva kwesikati abaka Amoni besuka ba lwa nabaka Israeli.

5 Kwa ti, abaka Amoni be sa lwa nabakaIsraeli, amalunga a seGiladi a ya ukumtabata uJefeta ezweni la seTobi;

6 A ti kuJefeta, Woza, yiba umahluli wetu, a si lwe nabaka Amoni.

7 uJefeta wa ti kumalunga a seGiladi, A ni ngi zondanga, na ngi xotyia endhlini ka baba na? ni zelani kimi manje ekuhlupakeni kwenu?

8 Amalunga a seGiladi a ti kuJefeta, Ngako si buyela kuwe kaloku, ukuba u hambe nati, u lwe nabaka Amoni, u be inhloko yetu pezu kwabantu bonke ba seGiladi.

9 uJefeta wa ti kumalunga a seGiladi, Uma ni ngi buyisa, ukuba ngi lwe nabaka Amoni, uma uJehova e ba nikela pambi kwami, kona ngi ya kuba inhloko yenu.

10 Amalunga a seGiladi a ti kuJefeta, uJehova ka be ufakazi pakati kwetu, uma si ngenzi njengezwi lako.

11 uJefeta wa e se hamba namalunga a seGiladi, abantu ba m enza a be inhloko nomahluli pezu kwabo; uJefeta wa kuluma onke amazwi ake panibi kuka Jehova, eMizpa.

12 uJefeta wa tuma izigijimi enkosini yabaka Amoni, wa ti, U nomsebenzi muni kimi, ukuba u ze kimi ukulwa ezweni lami?

13 Inkosi yabaka Amoni ya ti kuzo izigijimi zika Jefeta abakaIsraeli, ekukupukeni kwabo Egitipe, ba ngamuka izwe, ku suka eArnoni ku ze ku fike eJaboki na seJordani; buyisake lawamazwe ku tule.

14 uJefeta wa pinda wa tuma izigijimi enkosini yabaka Amoni,

15 Wa ti kuye, U tyo uJefeta, u ti, abakaIsraeli ka ba tabatanga izwe la seMoabi, nezwe labaka Amoni;

16 Ngokuba ekukupukeni kwabo, aba kaIsraeli ba hamba ehlane ba za ba fika elwandhle Olubomvu, wa fika eKadeshi.

17 AbakaIsraeli ba tuma izigijimi enkosini ya seEdomi, ba ti, A ke ngi dhluze ezweni lako; kepa inkosi ya seEdomi ka i lalalanga; kanjalo ba tuma enkosini ya seMoabi, kepa ka i vumanga. Aba kaIsraeli ba hlala eKadeshi.

18 Ba hamba ehlane, ba zekelela izwe la seEdomi, nezwe la seMoabi, beza ngasempumalanga kwezwe la seMoabi, ba misa pesheya kweArnoni, kepa ka ba ngenanga ezweni la seMoabi; ngokuba iArnoni li umkaulo weMoabi.

19 AbakaIsraeli ba tuma izigijimi kuSihoni inkosi yamaAmori, inkosi ya seHeshbone; aba kaIsraeli ba ti kuye, A ke si dhluze ezweni lako, si ye endaweni yami.

20 Kepa uSihoni ka m etembanga ukuba a dhluze ezweni lake; kodwa uSihoni wa buta abantu bonke bake, ba misa eJahazi, wa lwa naba kaIsraeli.

21 uJehova, uTixo ka Israeli, wa nikela uSihoni nabantu bonke bake esandhleni sika Israeli; ba bahlula; Aba kaIsraeli ba nqoba izwe lonke lamaAmori, abantu ba lelozwe.

22 Ba nqoba izwe lonke lamaAmori, ku suka eArnoni ku ze ku fike eJaboki, ku suka ehlane ku ze ku fike eJordani.

23 Kanjalo uJehova, uTixo ka Israeli, u xotyile amaAmori pambi kwabantu bake, abaka kaIsraeli; wena u ya kubamuka izwe na?

24 A u yi kufuya lelo, uKemoshi utixo wako a ku nika lona ukuba u li fuye na? Kanjalo konke uJehova uTixo wetu a si nika kona ukuba si ku fuye, loko si ya kukufuya.

25 U lungile ini wena ku noBalaki indodana ka Zipori, inkosi ya seMoabi? yena wa ke wa pikisana nabakaIsraeli, wa ke wa lwa nabo na?

26 Iloku abakaIsraeli ba hlala eHeshbone nemizana yalo, na seAroeri nemizana yalo, na semizini yonke ngaseArnoni, iminyaka emakulu amatatu; po a u buyisanga ngani lawamazwe ngalesosikati na?

27 A ngonanga kuwe, kepa wena u ya ngenzela okubi ngokulwa nami; uJehova ka hlule namhla pakati kwabaka Israeli nabaka Amoni.

28 Kodwa inkosi yabaka Amoni ka i lalalanga amazwi ka Jefeta, a wa tumayo kuyo.

29 Kona umoya ka Jehova weza kuJefeta, wa dhluza eGiladi na seManasa; wa dhluza na seMizpa la seGiladi, wesuka eMizpa la seGiladi, wa dhluzelela kwabaka Amoni.

30 uJefeta wa zibopa kuJehova ngesibopo, wa ti, Uma u nikela abaka Amoni esandhleni sami impela,

31 Kona ku za kuti, loko oku pumayo emnyango wendhlu yami ukuza kungihlangabeza, nxa ngi buya kahle kwabaka Amoni, ko ba okuka Jehova, e ngi ya kukunikela ku be umnikelo wokutyiswa.

32 Kwa njalo uJefeta wa dhluzelela kwabaka Amoni ukulwa nabo; uJehova wa ba nikela esandhleni sake.

33 Wa ba bulala ku suka eAroeri ku ze ku fike eMiniti, imizi emashumi amabili, ku ze ku fike eAbelkeramimi, ngo-

kubulala okukulu. Kwa njalo abaka Amoni ba nqotywa abaka Israeli.

34 uJefeta weza eMizpa endhlini yake, bheka, kwa puma intombi yake ukumhlangabeza, i za nezigubu nokusina; ya i ukupela komntwana wake, ngaphandhle kwayo wa e nge nandodana nantombi.

35 Kwa ti, e sa i bona, wa hxebula izingubo zake, wa ti, Au, mntanami, u ya ngi tobisa kakulu; u ngowaba ngi hlupayo; ngi vulile umlomo wami kuJehova, ngi nge buye.

36 Ya ti kuye, Baba, uma u vulile umlomo wako kuJehova, yenza kimi njengokupumileyo emlonyeni wako, loku uJehova u ku pindisele eziteni zako, abaka Amoni.

37 Ya ti kuyise, Ma ngenzelwe loku, ngi yeke izinyanga ezimbili ukuba ngi ye ngehlele ezintabeni, ngi lilele ubuntombi bami, mina nabazana nami.

38 Wa se e ti, Hamba. Wa i mukisa izinyanga ezimbili; ya hamba nabazana nayo, ya lilela ubuntombi bayo ezintabeni.

39 Kwa ti ekupeleni kwezinyanga ezimbili ya buyela kuyise, owenza kuyo njengesibambo sake, a be zibambile ngaso; ya i nga yazi indoda. Kwa ba isimiso kwaIsraeli,

40 Sokuti izintombi za kwaIsraeli za ya iminyaka ngeminyaka ukuitusa intombi ka Jefeta umGiladi izinsuku ezine ngomnyaka.

### ISAHLUKO 12.

**A**BA kwaEfraimi ba butana ba ya ngasenyakato, ba ti kuJefeta, Wa dhlulelani ukuya kulwa nabaka Amoni, u nga si bizanga ukuba si ye nawe? si ya kuyisa indhlu yako ngomlilo.

2 uJefeta wa ti kubo, Mina nabantu bami sa si lwa kakulu nabaka Amoni, nga ni biza, kepa a ni ngi sindisauga esandhleni sabo.

3 Nxa se ngi bonile ukuti a ni ngi sindisauga, nga bheka umpefumlo wami esandhleni sami, nga dhlulela kwabaka Amoni, uJehova wa ba nikela esandhleni sami; po, ni kupukeleni namhla, ni ze kimi ukulwa nami?

4 uJefeta wa buta abantu bonke ba seGiladi, wa lwa namaEfraimi; abantu ba seGiladi ba wahlula amaEfraimi, ngokuba ba be ti, Ni ngabasindileyo bamaEfraimi nina maGiladi, kwaEfraimi na kwaManasa.

5 A ti anaGiladi a vimba amazibuko a seJordani pambi kwamaEfraimi; kwa ti, nxa abasindileyo bamaEfraimi be ti, Ma ngi wele; abantu ba seGiladi ba ti, kuye, U ngumEfraimi na? Uma e ti, Qa,

6 Kona ba ti kuye, Yityoke, iShiboleti; wa ti, iShiboleti, ngokuba wahluleka ukulipimisa kahle. Kona ba m bamba, ba m bulala ngasamazibukweni a seJordani. Kwa wa ngalesosikati amaEfraimi a izinkulungwane ezimashumi amane nambili.

7 uJefeta wahlula abakaIsraeli iminyaka e isitupa. Wa fa uJefeta umGiladi, wembelwa emzini wa seGiladi;

8 Emva kwake uIbzani wa seBetlehehema wahlula abakaIsraeli.

9 Wa e namadodana amashumi amatatu, nezintombi ezimashumi amatatu wa zendisa; wa tabatela amadodana ake izintombi ezimashumi amatatu. Wahlula abakaIsraeli iminyaka e isikombisa.

10 uIbzani wa fa, wembelwa eBetlehehema.

11 Emva kwake uElone, umZebuloni, wahlula abakaIsraeli, wahlula abakaIsraeli iminyaka e ishuri.

12 uElone umZebuloni wa fa, wembelwa eAjalon ezweni la kwaZebuloni.

13 Emva kwake uAbdoni indodana ka Hileli, umPiraton, wahlula abakaIsraeli.

14 Wa e namadodana amashumi amane, namadodana amadodana ake amashumi amatatu, a kwela ezimbongolweni ezimashumi a isikombisa; wahlula abakaIsraeli iminyaka eshiyagalombili.

15 Wa fa uAbdoni indodana ka Hileli umPiraton, wembelwa ePiraton ezweni la kwaEfraimi, entabeni yamaAmaleki.

### ISAHLUKO 13.

**A**BAKA Israeli ba pinda benza okubi pambi kuka Jehova; uJehova wa ba nikela esandhleni samaFilisti iminyaka emashumi amane.

2 Kwa ku kona umuntu otile wa seZora, wa sesizalweni samaDani, ogama lake la li nguManoa; umkake wa e inyumba, ka zalanga.

3 Ya ti ingelosi kaJehova ya bonakala kulomfazi, ya ti kuye, Bhakeke, u inyumba, a u zali nokuzala; kepa u ya kukulelwa, u zale indodana.

4 Qapelake manje, u nga puzi iwaini, notywala, u nga dhli uto olungeolileyo;

5 Ngokuba bheka, u ya kukulelwa, u zale indodana; impuco a i yi kube- kwa ekanda layo; ngokuba umntwana u ya kuba umNazareti ka Tixo iloku e za- lwa; u ya kuqala ukusindisa abaka- Israeli esandhleni samaFilisti.

6 Umfazi weza wa bika endodeni yake, wa ti, Kwa fika kimi umuntu ka Tixo, wa bonakalisa okwengelosi ka Tixo, wesabeka kakulu; a ngi m buza- nga ukuba wa velapi, naye ka ngi tyela- nga igama lake.

7 Wa ti kimi, Bheka u ya kukulelwa, u zale indodana; manje u nga puzi iwaini notywala, u nga dhli uto olu- ngecolileyo, ngokuba umntwana u ya ku- ba umNazareti ka Tixo iloku wa zalwa a ze a fe.

8 uManoa wa kuleka kuJehova, wa ti, E, Nkosi, lomuntu ka Tixo owa m tu- mayo ka buyele kitina, a si fundise esi ya kukwenza kumntwana o za kuzalwa.

9 uTixo wa lalela izwi lika Manoa; ingelosi ka Tixo ya buyela kumfazi e sa hlezi endhle; kepa uManoa indoda yake wa e nge naye.

10 Umfazi wa tyetya, wa gijima, wa ya, wa i tyela indoda yake, wa ti, Bheka, u bonakele kimi lowomuntu owa fika kini ngalolosuku.

11 uManoa wesuka, wa landela umka- ke, wa fika ku lowo muntu, wa ti kuye, Wena u lowo muntu owa kuluma nomfa- zi na? Wa ti, Ngi uye.

12 uManoa wa ti kuye, Nxa se kwe- nzekile namazwi ako, ku za kuba njani ukuma komntwana nomsebenzi wake.

13 Ingelosi ka Jehova ya ti kuMa- noa, Konke enga ku tyoyo kumfazi, ka ku gcine.

14 Ka nga dhli uto olu vela evinini, ka nga puzi iwaini notywala, ka nga dhli uto olungecolileyo; konke enga m yala ngako ka ku gcine.

15 uManoa wa ti kuyo ingelosi ka Jehova, A ke si ku libazise, si ze si ku lungisele izinyane lembuzi.

16 Ingelosi ka Jehova ya ti kuManoa, Noma u ngi libazise, a ngi yi kudhla ukudhla kwako; uma u lungisa umni- kelo wokutyiswa, u nikele kuJehova. Ngokuba uManoa wa e ngazi ukuti wa e ingelosi ka Jehova.

17 uManoa wa ti kuyo ingelosi ka Je- hova, Ubani igama lako, ukuba si ku tuse, nxa se kwenzekile izwi lako.

18 Ingelosi ka Jehova ya ti kuye, U buzelani igama lami, li yesabeka.

19 uManoa wa li tabata izinyane le- mbuzi, nomnikelo wempupu, wa ku ni- kela kuJehova etyeni; ya kwenza oku- mangalisayo, uManoa nomkake ba bu- kela.

20 Kwa ti, ilangabi li sa puma elatini lenyukela ngasezulwini, ingelosi ka Je- hova yenyuka elangabini lelati, uMa- noa nomkake ba bukela, ba wa pansi ngobuso.

21 Ingelosi ka Jehova ka i pindanga ya bonakala kuManoa nomkake. Kona uManoa wa m azi ukuti, wa e ingelosi ka Jehova.

22 uManoa wa ti kumkake, Impela si ya kufa, ngokuba si m bonile uTixo.

23 Kapa umkake wa ti kuye, Uma uJehova e tanda ukusibulala, nga e nga wamkelanga esandhleni setu umnikelo wokutyiswa, nomnikelo wempupu, nga e nga si bonisanga konke loku, nga e nga si tyelanga okunjalo ngalesisikati.

24 Umfazi wa zala indodana, wa i qa- mba igama layo uSamsoni. Wa kula umntwana, wa busiswa uJehova.

25 Umoya ka Jehova wa qala ukumvu- sa eMahanedani pakati kweZora ne- Eshtaoli.

#### ISIAHLUKO 14.

**U**SAMSONI wehla wa ya eTimnati, u wa bona isifazana eTimnati sa sezi- ntombini zamaFilisti.

2 Wa kupuka wa ba tyela oyise noni- na, wa ti, Ngi bonile isifazana eTimnati sa sezintombini zamaFilisti; a ke ni ngi tabatele sona si be unikami.

3 Ba ti kuye oyise nonina, A ku ko ini isifazana ezintombini zabafa wenu, na sebantwini bonke bami, ukuba u ye ku- tabata umfazi kumaFilisti a nga soki- leyo? uSamsoni wa ti kuyise, Ngi taba- tele yona, ngokuba i fanele emehlweni ami.

4 Ba be ngazi oyise nonina ukuti, loku kwa vela kuJehova, ukuti wa e funa itu- ba lokulwa namaFilisti; ngokuba ngale- sosikati amaFilisti a e busa pezu kuka Israeli.

5 Wehla uSamsoni noyise nonina ba ya eTimnati, ba fika ezivinini za seTi- mnati, bheka, ingonyama entya ya pu- ma ukumhlangabeza, i bodhla.

6 Umoya ka Tixo wa mehlela, wa i hxebula njengomuntu e li hxebula izi- nyane lembuzi, wa e nge naluto esa- ndhleni sake; ka ba tyelanga oyise no- nina a be kwenzile.

7 Wehla, wa kuluma nalesosifazana; sa si sihle emehlweni ka Samsoni.

8 Emva kwesikati wa buya ukuba a m tabate; wa pambuka ukuya kubona isidumbu sengonyama; bheka kwa ku kona iqulo lezinyosi noju esidunjini sengonyama.

9 Wa hlepulela izinyosi ezandhleni, wa hamba, e dhla, wa fika kuyise nonina, wa ba pa, ba dhla nabo; kepa ka ba tyelanga ukuti wa hlepula izinyosi esidunjini sengonyama.

10 Wa e sehla uyise wa ya kuso isifazana; uSamsoni wenza umtimba, ngokuba izinsizwa zeenza njalo.

11 Kwa ti, nxa se be m bonile, ba m tabatela abameli abamashumi amatatu, ukuba ba be naye.

12 uSamsoni wa ti kubo, Ngi ya kuninika inqandelo; uma ni i casisela kahle kimi ngezinsuku ezi isikombisa zomtimba, ni i qonde, ngi ya kuninika amayembe amashumi amatatu, nezingubo zokuguqulana ezimashumi amatatu;

13 Kepa uma nahluleka ukuicasisela kimi, ni ya kunginika amayembe amashumi amatatu, nezingubo zokuguqulana ezimashumi amatau. Ba ti kuye, Si nike inqandelo yako, si i zwe.

14 Wa ti kubo, Kwa puma ukudhla kokudhlayo, na koku namandhla kwa puma okumnandi. Bahluleka ukucasisela inqandelo ngezinsuku ezintatu.

15 Kwa ti ngosuku lwesikombisa, ba ti kumka Samsoni, M nenge umyeni wako ukuba a si tyele leyonqandelo funa si ku tyise wena nendhlu ka yihlo ngomlilo. Ni si memile ukuba ni si dhle na? a ku njalo na?

16 Umka Samsoni wa kala pambi kwake, wa ti, U ya ngi zonda, a u ngi tandi; u nikile abakiti inqandelo, a u ngi tyelanga yona. Wa ti kuye, Bheka, a ngi ba tyelanga obaba nomame, ngi za kukutyela wena na?

17 Wa kala pambi kwake lezoziusuku ezi isikombisa zomtimba wabo; kwa ti ngosuku lwesikombisa, wa m tyela, ngokuba wa m eindezela; wa ba tyela abakubo inqandelo.

18 Abantu bomuzi ba ti kuye ngolwesikombisa, ilanga li nga ka tyoni, Ku ini okumnandi ku nezinyosi? ku ini oku namandhla ku nengonyama? Wa ti kubo, Uma be ni nga limanga ngesitole sami nga be ni nga qoudanga inqandelo yami.

19 Umoya ka Jehova weza kuye, we-

hla wa ya eAshkeloni, wa bulala abantu abamashumi amatatu kubona, wa tabata izivato zabo, wa ba pa aba casisela inqandelo izingubo zokuguqulana. Wa tukutela, wa kupuka wa ya emzini ka yise.

20 Umka Samsoni wa nikwa kummeli wake owa e m mele.

#### ISIAHLUKO 15.

**K**WA ti emva kwesikati, ngesikati sokuvuna ukolweni, uSamsoni wa ya kubona umkake, e hamba nezinyane lembuzi; Wa ti, Ngi ya kungena kumkami endhlini yake. Kodwa uyise ka vumanga ukuba a ngene.

2 Uyise wa ti, Be ngi ti u m zondile impela, ngako nga m nika kummeli wako; udade wabo omncinyane ka muhle kunaye na? m tabateke endaweni yake.

3 uSamsoni wa ti kubo, Manje a ngi yi kutola icala kumaFilisti noma ngi benzela okubi.

4 uSamsoni wesuka wa bamba amankentyane amakulu amatatu, wa tabata izimbaqa, wa wa fulatelisana ukuba imisila i bhekane, wa lu beka ubaqa pakati kwemisila yombili.

5 Wa zi tungela izimbaqa ngomlilo, wa wa qubela pakati kokolweni o nga ka vunwa wamaFilisti, wa tyisa nezita nokolweni o nga ka vutwa, kanye nezivini nezihlwati.

6 A ti amaFilisti, Loku kwenziwe ubani na? Kwa tiwa, NguSamsoni, umkwenyana womTimini, ngokuba wa tabata umkake, wa m nika kummeli wake. A kupuka amaFilisti, a m tyisa yena nendhlu ka yise.

7 uSamsoni wa ti kubo, Uma nenza njalo, ngi ya qinisa ngi ya kupindisa kini, kona ngi ya kuyeka.

8 Wa ba bulala umlenze netanga ngokubulala okukulu. Wehla wa hlala efeni lwedwala leEtamu.

9 A kupuka amaFilisti, a misa ngakwaJuda, a qubekela eLehi.

10 AbakwaJuda ba ti, Ni kupukelani ukuza kitina na? Ba ti, Si kupukile ukuba si bope uSamsoni, senze kuye njengaloku enzile kitina.

11 Ba se besuka abakwaJuda aba izinkulungwane ezintatu, behlela efeni lwedwala leEtamu, ba ti kuSamsoni, A wazi ini ukuti amaFilisti a busa pezu kwetu? ku ini loku o kwenzileyo kitina na? Wa ti kubo, Njengaloku benza kimi, ngi kwenzile njalo kubona.

12 Ba ti kuye, Sehlile ukuba si ku bope, si ku nikele esandhleni samaFilisti. uSamsoni wa ti kubo, Fungani kimi ukuti ka ni yi ku ngi bulala mina.

13 Ba tyo kuye, ba ti, Ai, kodwa si ya kukubopa, si ku nikele esandhleni sabo, kepa a si yi kukubulala. Ba m bopa ngezintambo ezimbili ezintya, ba m kupula edwaleni.

14 Nxa e fikile eLehi amaFilisti a halalisa pambi kwake; umoya ka Jehova wa m ehlela, izintambo eza zi sezingalweni za ba njengeflaksi eli tyileyo ngomlilo, nezibopo zake za nebilika zesuka ezandhleni zake.

15 Wa fumana umhlathi omutya wembongolo, welula isandhla sake, wa u tabata, wa bulala abantu aba inkulungwane ngawo.

16 uSamsoni wa ti, Ngomhlathi wembongolo, incwaba, yebo izincwaba ezimbili, ngomhlathi wembongolo ngi bulele abantu aba inkulungwane.

17 Kwa ti, e se qedile ukukuluma, wa lahla umhlathi; ba qamba leyondawo iRamatlhehi.

18 Wa e omile kakulu, wa kala kuJehova, wa ti, Wenzile lokukusindisa okukulu ngesandhla senekyu yako, kepa manje ngi za kufa ngokoma, ngi we esandhleni sabangasokile na?

19 uTixo wa dabula isisele esa si seLehi, kwa puma amanzi kuso; wa puza, umoya wake wa buya, wa pila. Ngako ba qamba igama lawo iEnhakore, eli seLehi na namhla.

20 Wahlula aba kaIsraeli ezinsukwini zamaFilisti iminyaka emashumi amabili.

### ISAHLUKO 16.

**U**SAMSONI wa ya eGaza, wa bona kona isifebe, wa ngena kuso.

2 Kwa bikwa kumaGaza, kwa tiwa, uSamsoni u fikile lapa. Ba m haqa, ba m lalela ubusuku bonke ngasesangweni lomuzi; kepa ba tula ubusuku bonke, ba ti, Nxa ku sile ekuseni si ya kumbulala.

3 uSamsoni wa lala kwa za kwa ba pakati kobusuku; wesuka pakati kobusuku, wa bamba izicaba zesango lomuzi, nezinsika zombili, wa zi neotula kanye nomvalo, wa zi beka emahlombe ake, wa zi kupulela pezulu entabeni e bhekana neHebroni.

4 Kwa ti emva kwaloku, wa tanda isifazana esigodini seSoreki, igama laso la li nguDelila.

5 Amakosi amaFilisti e za kuso, a ti kuso, M ncenge, u bone ukuba ku ma pi amandhla ake amakulu, nokuba si nga m ahlula ngani, ukuze si m bope, si m nqobe; si ya kukunika sonke ngabanye izinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane nekulu.

6 uDelila wa ti kuSamsoni, A ku ngi tyele ukuba ku ma pi amandhla ako amakulu, nokuba u nga botywa ngani u nqotywe.

7 uSamsoni wa ti kuye, Uma be ngi bopa ngezintambo ezi isikombisa ezimanzi, ezi nga komi ngi ya kuba butakataka, ngi be njengomunye muntu.

8 Kona amakosi amaFilisti a leta kuye izintambo ezi isikombisa ezimanzi ezi nga komi, wa m bopa ngazo.

9 (Abalaleli ba be hlezi kuye endhlini.) Wa ti kuye, amaFilisti a pezu kwako, Samsoni. Wa gqabula izintambo nje ngentambo yeflaksi i qatyulwa nxa i zwa umlilo. Kwa ku ngaziwa amandhla ake.

10 uDelila wa ti kuSamsoni, Bheka, u ngi kohlisile, wa ngi tyela amanga; kaloku a ku ngi tyele ukuba u nga botywa ngani.

11 Wa ti kuye, Uma be ngi bopa ngezintambo ezintya, oku nga setyenzwanga ngazo, ngi ya kuba butakataka, ngi be njengabanye abantu.

12 uDelila wa se e tabata izintambo ezintya, wa m bopa ngazo, wa ti kuye, amaFilisti a pezu kwako, Samsoni (Abalaleli ba be hlezi kuye endhlini.) Wa zi gqabula ezingalweni zake, ku nga ti intanjana.

13 uDelila wa ti kuSamsoni, Ku ze ku be manje u ngi kohlisile, wa ngi tyela amanga; ngi tyele ukuba u nga botywa ngani. Wa ti kuye, Uma waluka izitungu ezi isikombisa zekanda lami nezintambo.

14 Wa zi betela ngesikonkwane, wa ti kuye, amaFilisti a pezu kwako, Samsoni. Wa papama ebutungweni, wa neotula isikonkwane sesaluko, nezintambo.

15 Wa ti kuye, U nga tyo kanjani uku-ti, Ngi ya ku tanda nxa inhliziyo yako i nga hlangani nami? U ngi kohlisile katatu, a u ngi tyelanga ukuba ku ma pi amandhla ako.

16 Kwa ti, nxa e m cindezele ngamazwi ake imihla ngenihla, e m quba wa za wa katazeka umpfumlo wake, e se za kufa.

17 Kona wa m tyela inhliziyo yonke



yake, wa ti kuye, Impuco a i zanga i fika ekanda lami; ngokuba be ngi umNazareti kuTixo iloku nga zalwa umame. Uma ngi puculwa, amandhla ami a ya kumuka kimi, ngi ya kuba butakataka, ngi be njengabantu bonke.

18 uDelila wa bona ukuti wa e m tyelile inhliziyi yake, wa tuma wa biza amakosi amaFilisti, e ti, kupukani kaloku, u ngi tyelile inhliziyi yonke yake. Kona amaFilisti a kupukela kuye, a pata imali esandhleni sabo.

19 Wa m lalisa ubutongo emadolweni ake, wa biza umuntu, wa pucula izitungu ezi isikombisa zekanda lake; wa qala ukumnqoba, amandhla ake a muka kuye.

20 Wa ti, amaFilisti a pezu kwako, Samsoni. Wa papama ebutongweni, wa ti, Ngi ya kupuma njenga kwezinye izikati, ngi zikulule. Wa e ngazi ukuti uJehova wa e mukile kuye.

21 A m bamba amaFilisti, a kipa amehlola ake, a m ehlsela eGaza, a m bopa ngamaketano etusi; wa sila etilungweni.

22 Kodwa izinwele zekanda lake za qala ukuhluma, e se puculiwe.

23 Amakosi amaFilisti a butana, ukuba a m hlabele uDagoni utixo wabo umhlatyelo omkulu, nokuba a tokoze, ngokuba ba ti, utixo wetu u nikele uSamsoni isita setu esandhleni setu.

24 Abantu ba m bona, ba tusa utixo wabo; ngokuba ba ti, Utixo wetu u nikele esandhleni setu isita setu, nocitayo izwe letu, owa bulala abaningi ba kiti.

25 Kwa ti, nxa izinhliziyi zabo se zi tokoza, a ti, M bizeni uSamsoni, ukuba a si dhlalele. Besuka ba m biza uSamsoni e setilungweni; wa dhlala pambi kwabo; ba m bheka pakati kwezinsika.

26 uSamsoni wa ti kumfana owa m pata ngesandhla, Ngi yeke ukuba ngi pate izinsika ezi pasa indhlu, ngencike kuzo.

27 Indhlu ya i gewele abesilisa nabesifazana; namakosi onke amaFilisti a e kona; na pezu kwendhlu ba be kona ku nga ti aba izinkulungwane ezintatu abesilisa nabesifazana aba be bukela ukudhlala kuka Samsoni.

28 uSamsoni wa kuleka kuJehova, wa ti, E Nkosi Jehova, ngi kumbule, ngi size kalokunje kupela, Tixo, ukuba ngi pindise kanye kumaFilisti ngenxa yamehlo ami omabili.

29 uSamsoni wa bamba izinsika zombili za pakati, ezi pasa indhlu, wenci-ka kuzo, kwenye ngesandhla sokuuene, na kwenye ngesandhla sokohlo.

30 uSamsoni wa ti, ma ngi fe namaFilisti. Wa kotama ngamandhla; indhlu ya wa pezu kwamakosi, na pezu kwabantu bonke aba be kuyo. Kwa njalo abafileyo a ba bulalayo ekufeni kwake ba be baningi ku nabo a ba bulalayo ekupileni kwake.

31 Kwehla abafo wabo nayo yonke indhlu ka yise, ba m tabata, ba kupuka naye, ba m mbela pakati kweZora ne-Eshtaoli emafipeni ka Manoa uyise. Wahlula abakaIsraeli iminyaka emashumi amabili.

### ISAHLUKO 17.

**K**WA ku kona umuntu wa sentabeni ya kwaEfraimi, ogama lake la li nguMika.

2 Wa ti kunina, Lawo mashekeli esiliva a inkulungwane nekulu, a suswa kuwe, owa tuka ngawo, wa kuluma ngawo ezindhleleni zami, bheka, nansi imali i kimi; nga i tabata. Unina wa ti, U busisiwe kuJehova, ndodana yami.

3 Wa buyisela kunina lawo mashekeli esiliva a inkulungwane nekulu; unina wa ti, Impela ngi ya ngewelisa lemali kuJehova i vela esandhleni sami, i be eyendodana yami, ukuba kwenziwe ngayo isitombe esibaziweyo nesitombe esipekiweyo; ngako se ngi i buyisela kuwe.

4 Kepa wa i buyisela imali kunina; unina wa tabata amashekeli esiliva amakulu amabili, wa wa nika kumpeki wensimbi, owenza ngawo isitombe esibaziweyo nesitombe esipekiweyo; za zi kona endhlini ka Mika.

5 Lowo muntu uMika wa e nendhlu ka Tixo, wa leza iefodi, neterafimi, wa beka enye indodana yake, i be umpristi wake.

6 Ngalezozinsuku ya i nge ko inkosi kwabakwaIsraeli; bonke benza ngokufaneleyo emehlweni abo.

7 Kwa ku kona insizwa ya seBethlehemjuda, yesizalo sika Juda, eya i ngumLevi, ya i hlezi kona.

8 Lowo muntu wemuka emzini, eBethlehemjuda, ukuya kuhambela lapo e ya kutolwa kona; ekuhambeni kwake wa fika entabeni ya kwaEfraimi, emzini ka Mika.

9 uMika wa ti kuye, U vela pi na?

Wa ti kuye, Ngi ngumLevi wa seBetlehemjuda, ngi ya hamba ukuya kuhlala lapa ngi za kutolwa kona.

10 uMika wa ti kuye, Hlala nami, u be ubaba wami nompristi wami, ngi ya kukunyika amashekeli a ishumi ngomnyaka, nizingubo zokwambata, nokuhla kwako; umLevi wa ngena.

11 Wa vuma umLevi ukuhlala na lowo muntu; leyo nsizwa ya ba kuye nje-  
ngendodana yake.

12 uMika wa m beka umLevi, ya ti leyo nsizwa ya ba umpristi wake, ya i kona emzini wake.

13 Wa ti uMika, Kaloku ngi yazi ukuti uJehova u ya kungenzela okuhle, lo-  
ku umLevi u umpristi wami.

ISAHLUKO 18.

**N**NGALEZUZINSUKU kwa ku nge ko inkosi kwabaka Israeli; na ngalezozinsuku isizwe samaDani sa zifunela izwe lokwaka; ngokuba ngalolosuku ba be nga kamkeliswa izwe ezizweni zika Israeli.

2 Abaka Dani ba tuma abantu abahlanu ba sesizalweni sakubo, kuso sonke isizwe sakubo, abantu aba ngamaqawe, ba seZora na seEshtaoli, ukuya kuhlala izwe nokulibona; ba ti kubo, Hambani, ni bone izwe. Ba fika entabeni ya kwa Efraimi, endhlini ka Mika, ba ngenisa kona.

3 Nxa se be kona ngasendhlini ka Mika, ba lazi izwi lensizwa e ngumLevi; ba pambukela kona, ba ti kuye, Wa yiswa ubani lapa? wenzani kulendawo? u nani lapa?

4 Wa ti kubo, uMika u ya ngenzela ukuti nokuti, wa ngi tola, nga ba umpristi wake.

5 Ba ti kuye, Buza kuTixo, ukuze sazi ukuba indhlela esi hamba ngayo i ya kuba nenhlanhla.

6 Umpristi wa ti kubo, Hambani kahle, i pambi kuka Jehova indhlela yenu ezi hamba ngayo.

7 Besuka lababantu aba isihlanu, ba ya ba fika eLaisha, ba bona abantu aba pakati kwalo, be sa hlezi be nge nalo uvalo, njengokuma kwamaZidoni, be tula, be nge navalo; kwa ku nge ko ezweni umbusi onqobayo o ba hlupayo ngaluto, ba be kude namaZidoni, be nge namsebenzi nabanye abantu.

8 Ba buya ba fika kubawo eZora na seEshtaoli; abawo wabo ba ti kubo, Ni tini na?

9 Ba ti, Sukani, a si kupukele kubo; ngokuba si bonile izwe; bheka, li hle kakulu; ni ya tula ini? ni nga nqeni ukuhamba ukuya kufuya izwe.

10 Nxa ni hamba ni ya kufika kubantu aba nge nalo uvalo, na sezweni elikulu; uTixo u li nikele esandhlени senu; indawo e nga sweli luto olu sezweni.

11 Besuka kona aba sesizalweni samaDani, eZora na seEshtaoli, abantu abanakulu a isitupa aba be hlomile izikali zokulwa.

12 Ba kupuka, ba misa eKirjatjearimi, kwaJuda; ngako ba biza leyondawo ngokuti iMahanedani na namhla; bheka, li ngasemva kweKirjatjearimi.

13 Ba dhlula kona ba ya entabeni ya kwaEfraimi, ba fika endhlini ka Mika.

14 Lababantu aba isihlanu, aba ya ukuhlala izwe la seLaisha, ba kuluma ba ti kubawo, Ni yazi ini ukuti ku kona ku lezizindhlu iefodi, neterafimi, nesitombe esibaziweyo, nesitombe esipekiweyo? ngako qondani kaloku ukuba ni ya kwenzani.

15 Besuka ba pambukela kona, ba fika endhlini yensizwa e ngumLevi, endhlini ka Mika, ba m bingelela.

16 Lababantu abamakulu a isitupa aba be hlomile izikali zokulwa, aba kwabaka Dani, be ma esangweni.

17 Abantu aba isihlanu aba ya ukuhlala izwe, benyuka, ba ngena kona, ba tabata isitombe esibaziweyo, neefodi, neterafimi, nesitombe esipekiweyo; umpristi we ma esangweni nabantu abamakulu a isitupa aba hlomile izikali zokulwa.

18 Labo se be ngenile endhlini ka Mika, ba tabata isitombe esibaziweyo, neefodi, neterafimi, nesitombe esipekiweyo, umpristi wa ti kubo, Nenzani na?

19 Ba ti kuye, Tula, beka isandhla emlonyeni, u hambe nati, u be ubaba wetu nompristi wetu. Ku hle ini ukuba u be umpristi wendhlu yomuntu mune, ku nokuba u be umpristi wesizwe nowesizalo kwaIsraeli?

20 Inhliziyo yompristi ya tokoza, wa tabata iefodi, neterafimi, nesitombe esibaziweyo, wa ngena pakati kwabantu.

21 Ba penduka, be muka, ba beka abantwana, nezinkomo, nempahla pambi kwabo.

22 Se be hambile kude nendhlu ka Mika, abantu, aba be sezindhlini eza zi kufupi nendhlu ka Mika, ba butana, ba ya ba fumana abaka Dani.

23 Ba memeza kwabaka Dani. Ba penduka ba ti kuMika, U nani, ni butene ngani na ?

24 Wa ti, Ni tabatile otixo bami enga benzayo, nonpristi, nemuka; ngi se nani na? ku ini loku eni ku tyoyo kimi, ni ti, U nani na?

25 Abaka Dani ba ti kuye, Izwi lako ma li nga zwiwa pakati kwetu, funa abantu aba nolaka ba kwehlele, u zibulale wena nabendhlu yako.

26 Abaka Dani ba hamba ngendhlela yabo; uMika wa bona ukuti ba namandhla ku naye, wa penduka wa buyela endhlini yake.

27 Ba tabata a be kwenzile uMika, nonpristi a e naye, be za eLaisha, kubantu abahleziyo be tula be nge nalo uvalo, ba ba bulala ngobukali ngenkamba, ba tyisa umuzi ngomlilo.

28 Kwa ku nge ko unsindisi, ngokuba wa u kude neZidoni; ba be nge namsebenzi nabanye abantu; wa u sesihlanjeni esi ngaseBetrehobi. Ba waka umuzi, ba hlala kuwo.

29 Ba qamba igama lomuzi iDani, negama lika Dani, uyise wabo, owa zalwa kuIsraeli; kepa igama lomuzi la li iLaisha kuqala.

30 Abaka Dani ba zimisela isitombe esibaziweyo; uJonatani, indodana ka Gershom, indodana ka Mosi, yena namadodana ake ba be ngabapristi esizweni sika Dani kwa za kwa fika usuku lokutunjwa kwezwe.

31 Ba misa isitombe esibaziweyo sika Mika, a be senzile, iziusuku zonke indhlu ka Tixo eya i kona eShilo ngazo.

ISAHLUKO 19.

**K**WA ti ngalezozinsuku, loku kwa ku nge ko inkosi kwaIsraeli, wa e kona umLevi e hlezi entabeni ya kwaEfraimi ngasemva, owa tabata umfazi o ipilegeshi eBetlehemjuda.

2 Ipilegeshi lake la hlobuka kuye ngokupinga, lemuka kuye, la ya endhlini ka yise eBetlehemjuda, la li kona isikati, izinyanga ezine.

3 Umyeni walo wesuka, wa li landa, ukuba a kulume kahle kulo, a li buyise, e hamba nenceku yake nezimbongolo ezimbili; la m ngenisa endhlini kuye: nxa uyise wesifazana se e m bonile wa tokoza ukuhlangana naye.

4 Umkwe wake, uyise wesifazana, wa m libazisa, wa hlala naye izinsuku ezintatu; ba dhla, ba puza, ba lala kona.

5 Kwa ti ngosuku lwesine ba vuka kusasa, wesuka ukuba a hambe; kepa uyise wesifazana wa ti kumkwenyana wake, Qinisa inhliziyoyako ngesinkwana, kona ni ya kuhamba.

6 Ba hlala ba dhla ba puza ndawonye bobabili; uyise wesifazana wa ti kumuntu, Vuma, u lala, i tokoze inhliziyoyako.

7 Wesuka umuntu ukuba a hambe, kepa, umkwe wake wa m ncenga: ngakwa buya wa lala kona.

8 Wa vuka kusasa ngosuku lwesihlanu ukuba a hambe; uyise wesifazana wa ti, Ka u qinise inhliziyoyako. Ba libala kwa za kwantambama, ba dhla bobabili.

9 Wesuka umuntu ukuba a hamba, yena nepilegeshi lake nenceku yake, kepa umkwe wake, uyise wesifazana, wa ti kuye, Bhekake, se ku za kuhlwa, ma u lala bhaka, li ya tyona, ma u lala lapa, i tokoze inhliziyoyako; ni ya kuvuka kusasa ngomuso ni hambe, ukuba u ye kutente wako:

10 Kodwa umuntu ka vumanga ukulala; wesuka wa hamba; wa fika pambi kweJebusi; eli iJerusalema: kwa ku kona naye izimbongolo ezimbili zi nezihlalo, nepilegeshi lake la li naye.

11 Nxa be ngaseJebusi la se li tyona; ya ti enceku enkosini yayo, A si suke si pambukele kulomuzi wamaJebusi, si lala kuwo.

12 Inkosi yayo ya ti kuyo, A si yi kupambukela emzini wabezizwe, o nge siwo wabaka Israeli; si ya kudhlula si fike eGibe.

13 Wa ti encekwini yake, A si qubeke, si sondele komunye kuleyo mizi, si lala eGibe, noma eRama.

14 Ba dhloba, ba hamba; ilanga la tyona be ngaseGibe la kwaBenjamini.

15 Ba pambukela kona, ukuba ba ngene ba lala eGibe: e se ngenile, wa hlala esitalatini somuzi: kwa ku nge ko muntu owa bamkela endhlini ukuba ba lala.

16 Kepa bhaka, kwa fika ixegu li buya kusihlwa ekusebenzeni ensimini, umuntu wa sentabeni ya kwaEfraimi; wa e hlezi eGibe; kepa abantu ba leyondawo ba be ngaba kwaBenjamini.

17 Wa bhaka, wa bona isihambi si sesitalatini somuzi: umuntu omdala wa ti, U ya ngapi? u vela ngapi?

18 Wa ti kuye, Si ya dhloba, si vela eBetlehemJuda, si ya entabeni ya kwa-

Efraini ngasemva; nga vela kona: nga ya eBethlehemjuda, kepa kaloku ngi sa ya endhlini ka Jehova, kodwa a ngamkeliswa muntu endhlini.

19 Si notyani nokudhla kwezimbongolo zetu, si nesinkwa newaini elanela mina, nencekuzi yako, nomfana o hamba nezineku zako: a ku sweleki uto.

20 Umuntu omdala wa ti, A ku be nokutula; kodwa konke o ku swelayo a ku be pezu kwami; u nga lali esitalatini kodwa.

21 Wa m ngenisa endhlini yake, wa zinika izimbongolo ukudhla: ba geza izinyawo zabo, ba dhla ba puza.

22 Nxa be sa tokozisa izinhliziyi zabo, bhaka, abantu bomuzi abantu ababi, ba haqa indhlu, ba qongqota emnyango, ba kuluma kumnindhlu ixegu ba ti; Kipa lomuntu owa ngena endhlini yako, ukuba si m azi.

23 Lomuntu, umninindhlu wa pumela kubo, wa ti kubo, Ai, bafu wetu, musani ukwenza okubi; loku lomuntu u ngenile endhlini yami musani ukwenza lento embi.

24 Nansi intombi yami, intombi epeleleyo, nepelegeshi lake; ma ngi kipe bona, ni bone, nenze kubo okuhle ngokubona kwenu: kepa kulomuntu ma ni ngenzi lento embi.

25 Kepa abantu ka ba vumanga ukumlalala: kona lomuntu wa bamba ipilegeshi lake, wa li kipela kubo; ba lazi, ba lona ubusuku bonke kwa za kwa sa: ba li yeka ekuseni.

26 Kona weza umfazi ekuseni wa wa emnyango wendhlu yomuntu, lapo ya i kona inkosi yake, wa lala kona kwa za kwa kanya.

27 Inkosi yesuka kusasa, ya vula emnyango wendhlu, ya puma ukuba i hambe ngendhlela yayo kepa bhaka, umfazi, ipilegeshi layo, wa e wile emnyango wendhlu, izandhla zake za zi pezu kombundu.

28 Wa ti kuye, Suka, a si hambe. Kepa ka pendulanga muntu. Kona wa m tabata wa m beka embongolweni, we-suka umuntu, wa ya endaweni yake.

29 E se fikile endhlini yake, wa tabata umese, wa bamba ipilegeshi lake, wa li hlahlela ngokwamatambo alo, wenza izincezu ezi ishumi nambili, wa li tuma ezweni lonke lakwa Israeli.

30 Kwa ti, bonke aba ku bonayo ba ti, A ku zanga kwenziwa okunje, a ku zanga ku bonwa, iloku abaka Israeli ba

puma ezweni la sEgipite ku ze ku be namhla ku qondeni, ni cebe, ni kulume.

ISIAHLUKO 20.

**K**ONA abaka Israeli bonke ba puma, isizwe sa butana ku nga ti umuntu munye, ku suka eDani ku ze ku fike eBeresheba, nezwe la seGiladi, kuJehova eMizpa.

2 Amakosi abantu bonke, ezizwe zonke zika Israeli, ema emhlanganweni wabantu baka Tixo, abantu aba hamba ngezinyawo ba be izinkulungwane ezimakulu amane aba hloma inkemba.

3 (Kepa abaka Benjaminini bezwa ku tiwa abaka Israeli ba kupukele eMizpa.) Kona abaka Israeli ba ti, Si tyeleni ukuba lesisono senziwa kanjani.

4 Wa pendula umuntu, umLevi, indoda yomfazi owa e bulewe, wa ti, Nga fika eGibea la kwaBenjaminini, mina nepilegeshi lami, ukuba si lale.

5 Aba seGibea ba ngi vukela, ba ngi haqa endhlini ebusuku, ba ti ba za kungibulala: ipilegeshi lami ba lona la za la fa.

6 Nga tabata ipilegeshi lami, nga li hlahlela, nga li tuma ezweni lonke lefa la kwaIsraeli; ngokuba benzile isonento embi kwaIsraeli.

7 Bhokani, mina nonke ni ngabaka Israeli; vezani lapa izwi necebo.

8 Besuka abantu bonke ku nga ti umuntu munye, ba ti, A si yi kuya nanunye kutente wake, a si yi kupambukela namunye endhlini yake.

9 Kepake loku esi ya kukwenza eGibea; si ya kukwenza kulo ngenkato;

10 Si ya kutabata abantu aba ishumi ekulwini kuzo zonke izizwe za kwa-Israeli, aba ikulu enkulungwaneni, aba inkulungwane ezinkulungwaneni ezi ishumi, ukuba ba tabatela abantu ukudhla, benze, ngokufika kwabo eGibea la kwaBenjaminini, ngako konke ukona aba kwenzileyo kwaIsraeli.

11 Kwa njalo abantu bonke ba kwa-Israeli ba butana emzini, be hlalane ku nga ti umuntu munye.

12 Izizwe za kwaIsraeli za tuma abantu ezizweni zonke za kwaBenjaminini, za ti, Bu ini lobububi obenziweyo pakati kwenu?

13 Ngakoke kipani lababantu, abantu ababi, aba seGibea, ukuba si ba bulale, si suse okubi kwaIsraeli. Kodwa abaka Benjaminini ka ba vumanga ukulalala izwi labafu wabo abaka Israeli.

14 Abaka Benjamini ba puma emizini ba butana eGibea, ukuba ba pume, ba lwe nabaka Israeli.

15 Kwa balwa ngalesosikati abaka Benjamini aba vela emizini, izinkulungwane ezimashumi amabili nesitupa aba hloma inkemba, ngapandhle kwabantu ba seGibea, aba balwa be ngamakulu a isikombisa abantu abaketiweyo.

16 Kwa ku kona pakati kwa lababantu bonke abantu abaketiweyo abamakulu a isikombisa, amanzele; bonke labo bazi ukuponsa amatye, be nga beki pansi, na souweleni.

17 Abantu ba kwaIsraeli, ngapandhle kwabakwa Benjamini, ba balwa be izinkulungwane ezimakulu amane zabantu aba hloma inkemba; bonke labo ba be ngabantu bemp.

18 Abaka Israeli besuka ba kupukela endhlini ka Tixo, ba buza kuTixo, ba ti, Ubani o ya kusikupukela kuqala ukuya kulwa nabaka Benjamini? uJehova wa ti, Ku ya kukupuka uJuda kuqala.

19 Abaka Israeli besuka kusasa, ba misa eGibea.

20 Abantu ba kwaIsraeli ba puma ukuya kulwa nabakwa Benjamini; abantu bakwaIsraeli ba zihlela ukulwa naba seGibea.

21 Abaka Benjamini ba puma eGibea, ba bulala pausi ngalolosuku abantu ba kwaIsraeli aba izinkulungwane ezimashumi amabili nambili.

22 Kepa abantu, abantu bakwaIsraeli, ba be nesibindi, ba buya ba hlela impi endaweni aba zihlela kuyo ngosuku lo-kuqala.

23 (Abaka Israeli ba kupuka, ba kala pambi kuka Jehova kwa za kwa hlwa, ba buza kuJehova, ba ti, Ngi ya kupinda, ngi sondele ukulwa nabaka Benjamini, umfo wetu na? uJehova wa ti, Kupukelani kuye.

24 Abaka Israeli ba sondela kwabaka Benjamini ngosuku lwesibili.

25 Abakwa Benjamini ba puma eGibea ba hlangua nabo ngosuku lwesibili, ba bulala pansi futi abakwaIsraeli abantu aba izinkulungwane ezi ishumi na shiyagalombili; labo bonke a ba hloma inkemba.

26 Kona bonke abakaIsraeli, nabantu bonke, ba kupuka, ba ya endhlini ka Tixo, ba kala, ba hlala kona pambi kuka Jehova, ba zila ukudhla ngalolosuku kwa za kwa hlwa, ba nikela iminikelo

yokutyiswa, neminikelo yokutula pambi kuka Jehova.

27 Abaka Israeli ba buza kuJehova, (ngokuba umpongolo wesivumelwano sika Tixo wa u kona ngalezozinsuku,

28 uFinehasi, indodana ka Eleazari, indodana ka Aroni, wema pambi kwawo ngalezozinsuku,) ba ti, Ngi ya buza ukuba ngi ya kupinda futi, ngi punie ukuya kulwa nabaka Benjamini umfo wetu, nokuba ngi za kuyeka? uJehova wa ti, Kupukani, ngokuba ngomso ngi ya kubanikela esandhleni sako.

29 AbakaIsraeli ba beka abalaleli, ba haqa iGibea.

30 Abaka Israeli ba kupukela kwabaka Benjamini ngosuku lwesitatu, ba zihlela eGibea, njenga kwezinye izikati.

31 Abaka Benjamini ba puma ukuya kuhlangana nabantu, ba holwa be suka emzini; ba qala ukunqoba abantu, be bulewe, njenga kwezinye izikati, ezindheleni, enye yenyuka ukuya endhlini ka Tixo, nenyi ya eGibea la sendhle, ku nga ti abantu abamashumi amatatu kwabaka Israeli.

32 Abaka Benjamini ba ti, Si ba nqobile njengokuqala. Kepa abaka Israeli ba ti, A si baleke, si ba hole, ba suke emzini, ba ye ezindheleni.

33 Abantu bonke ba kwaIsraeli besuka endaweni yabo, ba zihlela eBaltamari: kanjalo abalaleli ba kwaIsraeli besuka endaweni yabo, egcekeni la seGibea.

34 Beza pambi kweGibea abantu aba izinkulungwane ezi ishumi abaketiweyo kubo bonke ba kwaIsraeli; ukulwa kwa kunzima: kepa ba be ngazi ukuti ububi ba bu sondele kubo.

35 uJehova wa nqoba uBenjamini pambi kuka Israeli: abaka Israeli ba bulala ngalolosuku abantu bakwaBenjamini aba izinkulungwane ezimashumi amabili nanhlanu nekulu: labo bonke a ba hloma inkemba.

36 Abaka Benjamini ba be bonile ukuti (abaka Israeli) ba nqotywe; kepa abantu ba kwaIsraeli ba dedela aba kwaBenjamini ngokuba betemba abalaleli a be ba bekile ngaseGibea.

37 Abalaleli ba tyetya, ba gijimela eGibea; abalaleli ba qubeka, ba nqoba umuzi wonke ngobukali benkemba.

38 Isiboniso esimisiweyo abantu ba kwa Israeli nabalaleli sa si ilesi sokuva ba tunqise umusi omkulu wenyuke emzini.

39 Abantu bakwa Israeli ba buyela emva ekulweni, aba kwaBenjamini ba qala ukunqoba be bulewe kubantu ba kwaIsraeli ku nga ti abantu abamashumi amatatu; ngokuba ba ti, Impela ba nqotywiwe pambi kwetu njenga se kulweni kwa kuqala.

40 Nxa se ku qalile ukutunqa emzini insika yomusi, aba kwaBenjamini ba bheka emva, bheka, umusi wonke wenyukela ezulwini.

41 Abantu baka Israeli ba penduka, abantu ba kwaBenjamini ba jaba; ngokuba ba bona ukuti behlelwe ububi.

42 Ngako ba penduka pambi kwabantu ba kwaIsraeli ba ya ngendhlela ya sehlane; kodwa ukulwa kwa ba landela; ba ba bulala pakati kwayo abasemizini.

43 Ba haqa aba kwaBenjamini, ba ba xotywa, be sa pumula, ba ba nyatela, ba za ba fika pambi kweGibea ngasempumalanga.

44 Ba wa abantu ba kwaBenjamini abazinkulungwane ezi ishumi na shiyagalombili; labo bonke ba be ngamaqawe.

45 Ba penduka, ba baleka ba bheka ehlane, edwaleni leRimoni: ba ba kotoza kubo ezindhleleni abantu aba zinkulungwane ezi isihlanu; ba ba xotywa za za ba fika eGidomi, ba bulala abantu aba zinkulungwane ezimbili kubo.

46 Kwa njalo bonke abakwaBenjamini aba wayo ngalolosuku ba be zinkulungwane ezimashumi amabili nesihlanu zabantu aba hloma inkemba; labo bonke ba be ngamaqawe.

47 Kepa abantu abamakulu a isitupa ba penduka, ba balekela ehlane, edwaleni leRimoni, ba hlala edwaleni leRimoni izinyanga ezine.

48 Abantu baka Israeli ba buyela kwabaka Benjamini, ba ba bulala ngobukali benkemba, konke okwa semzini, nezinkomo, nako konke okwa funyaniswa: ba i tyisa ngomlilo imizi yonke eya funyaniswayo.

## ISAHLUKO 21.

**A**BANTU ba kwaIsraeli ba be fungile, ba be ti, A ku nga bi ko muntu wa kiti o za kunika intombi yake kuBenjamini ukuba i gane.

2 Abantu ba ya endhlini ka Tixo, ba hlala kona kwa za kwa hlwa pambi kuka Tixo, ba dazuluka, ba kala kakulu.

3 Ba ti, E, Jehova, Tixo ka Israeli, kwenzelweni loku kwaIsraeli, kokuba

ku sweleke namhla esinye isizwe sa kwaIsraeli.

4 Kwa ti ngangomso, abantu ba vuka kusasa, ba laka kona ilati, ba nikela iminikelo yokutyiswa, neminikelo yokutula.

5 Abaka Israeli ba ti, Ubani kuzo zonke izizwe zika Israeli o nga kupukanga nomhlangano ukuya kuJehova? Ngokuba kwa ku kona isifungo esikulu ngaye o nga kupukanga ukuya kuJehova eMizpa, kwa tiwa, U ya kufa impela.

6 Abaka Israeli ba dabukela uBenjamini umfo wabo, ba ti, Ku nqunywiwe namhla esinye isizwe sa kwaIsraeli.

7 Si ya kwenzani ukuba abaseleyo ba be nabafazi, loku si m fungile uJehova ngokuti, a si yi kubanika izintombi zetu, zi ganè kubo.

8 Ba ti, I si pi kuzo izizwe zika Israeli esi ngakupukelanga kuJehova eMizpa? Bheka, a ku fikanga muntu ekamu e vela eJabeshgiladi ukuya emhlanganweni.

9 Abantu ba balwa, bheka, kwa ku nge ko muntu kwaba seJabeshgiladi.

10 Umhlangano wa tuma kona abantu aba zinkulungwane ezi ishumi nambili aba amaqawe, wa ba yala, wa ti, Hambani, ni ba bulale abantu ba seJabeshgiladi ngobukali benkemba, nabafazi, nabantwana.

11 Iko loku eni ya kukwenza, Bonke abesilisa, nabo bonke abesifazana aba ke ba lala nendoda, a no ba bulala impela.

12 Ba fumana kubantu ba seJabeshgiladi amantombazana amakulu amane, izintombi, eza zi nga yazanga indoda ngokulala nowesilisa: ba zi yisa ekamu, eShilo eli sezweni la seKenani.

13 Umhlangano wonke wa tuma abantu ukuba ba kulume kwabaka Benjamini aba be sedwaleni leRimoni, ba ba shumayeza ukutula.

14 Aba kwaBenjamini ba buya ngulesosikati; ba ba nika isifazana, aba be si pilisile kwabesifazana sa seJabeshgiladi: kepa a ba banelanga.

15 Abantu ba ba dabukela aba kwaBenjamini ngokuba uJehova wa e senzile isikala ezizweni zika Israeli.

16 Amalunga omhlangano a ti, Si ya kwenzani ukuba abaseleyo ba be nabafazi, loku abesifazana ba bulewe kwaBenjamini?

17 A ti li kona izwe labasindileyo ba kwaBenjamini, isizwe a 'si yi kuciteka kwaIsraeli.

18 Kodwa tina a si nakubanika abafazi ezintombini zetu; ngokuba abaka Israeli ba fungile, ba ti, Ka tukwe o nika uBenjamini umfazi.

19 A ti, Bheka, ku kona umkosi ka Jehova iminyaka ngeminyaka eShilo, eli ngasenyakato kweBeteli, ngasempumalanga kwendhlela e kupuka eBeteli e ya eShekemi, ngaseningizimu kwe-Lebona.

20 A ba yala abaka Benjamini, a ti, Hambani, ni lalele ezivini, ni lalele ezivini,

21 Ni qapele; bhokani, nxa izintombi za seShilo zi puma ukusina ekusineni, a no puma ezivini, ku be ilowo a zibambele umfazi ezintombini za seShilo, ni ye ezweni la kwaBenjamini.

22 Ku za kuti, nxa oyise, nabafo wabo

beza kitina, ukuba ba sole si ya kuti kubo, Si nikeni zona ngomusa; ngokuba a si tabatanga, kwa ba ilowo umfazi ekulweni; ngokuba a ni ba nikanga zona, kona nga be ni tolile icala.

23 Benza njalo abaka Benjamini, ba tabata abafazi ngobuningi babo, kwabasinyayo, aba ba bambayo: bemuka, ba buyela ezweni labo, ba yaka inizi, ba hlala kuyo.

24 Abaka Israeli bemuka kona ngalesosikati, kwa ba ilowo wa ya esizweni sa kubo, na sesizalweni sa kubo, ba puma kona, kwa ba ilowo wa ya ezweni lake.

25 Ngalezozinsuku kwa ku nge ko inkosi kwa Israeli; kwa ba ilowo wenza okufaneleyo emehlweni ake.

## INCWADI KA RUTE.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ti ngezinsuku aba hlula ngazo abahluli, kwa ku kona indhlala ezweni. Wemuka umuntu wa seBetlehemjuda, wa ya kuhlala ezweni la se-Moabi, yena, nomkake, namadodana ake amabili.

2 Igama lomuntu la li nguElimeleki, igama lomkake la li nguNaomi, amagama amadodana ake amabili a e ngu-Maloni noKilioni, ba be amaEfraimi a seBetlehemjuda: Ba ya ezweni la se-Moabi ba hlala kona.

3 uElimeleki umyeni ka Naomi wa fa; wa sala yena namadodana ake omabili.

4 Ba tabata abafazi kuwo amaMoabi; igama lomunye la li nguOrpa, igama lomunye la li nguRute; ba hlala kona ku nga ti iminyaka e ishumi.

5 Kona ba fa oMaloni noKilioni, labo bobabili; umfazi wa sala kuwo amadodana ake omabili nomyeni wake.

6 Wesuka nomalokazana bake, wa buya ezweni la seMoabi; ngokuba wa e zwile ezweni la seMoabi ku tiwa, uJehova wa e ba kumbule abantu ba kubo ngokubapa ukudhla.

7 Wa puma ku leyondawo lapo wa e hlezi kona, nomalokazana bake bobabili; ba hamba ukuya kubuyela ezweni la kwaJuda.

8 uNaomi wa ti komalokazana bake

bobabili, Hambani, ni buyele ezindhlini zonyoko nobabili: uJehova ka ni pate kahle njengaloku na ni pata kahle abafazileyo nami.

9 uJehova ka ni nike ukuba ni fumane ukupumula ezindhlini zabayeni benu nobabili. Wa banga, ba dazuluka, ba kala.

10 Ba ti kuye, Si ya kubuya nawe, si ye ezweni la kini.

11 uNaomi wa ti, Buyani, madodakazi ami: ui ya kuhambelani nami? a se kona ini amanye amadodana esiswini sami, ukuba a be abayeni benu.

12 Buyani, madodakazi ami; hambani; ngi mdala ukuba ngi gane indoda; nomna ngi ti ngi netemba, uma ngi gana indoda lobubusuku, ngi zale amadodana.

13 Ni ya kuwahlalela a ze a kule na? ni ya kuzivimbela ni nga gani indoda na? ai madodakazi ami; ngi ya hlupeka kakulu ku nani, loku isandhla sika Jehova si pumele kimi.

14 Ba dazuluka, ba kala futi. uOrpa wa manga uninazala wake; kepa uRute wa namatela kuye.

15 Wa ti, Bheka, umka mfo wenu u se buyele kwaba kubo, na kutixo wa kubo: buya nawe, u m landele umka mfo wenu.

16 Kepa uRute wa ti, U nga ngi ncengi ukuba ngi ku shiye, ngi buye ngi nga ku landeli; ngokuba lapo u ya kona, ngi ya

kuya nami; na lapo u hlala kona, ngi ya kuhlala nami abantu bako ba ngabantu bami, uTixo wako u nguTixo wami;

17 Lapo u fa kona ngi ya kufa kona nami, ngi mbelwe kona: uJehova a kenze njalo kimi, a kwenezelele; ngi ya kwahlukaniswa nawe ngokufa kupela.

18 Se e bonile ukuti wa e qinisa ukuhamba naye, wa yeka ukukuluma kuye.

19 Ba hamba bobabili ba za ba fika eBetlehema. Kwa ti, be sa fika eBetlehema, kwa nyakaziswa umuzi wonke ngabo, ba ti, Lo u uNaomi na?

20 Wa se e ti kubo, Ni nga ngi bizi ngokuti, uNaomi; ngi bizeni ngokuti, uMara: ngokuba uSomandhla u ngenzele usizi olukulu.

21 Ngemuka ngi gewele, kepa uJehova u ngi buyisile ngi ze: ni ngi bize-lani ngokuti, uNaomi, loku uJehova u ngi lahlile, uSomandhla u ngenzele okubi?

22 Kwa njalo uNaomi wa buya, noRute wa seMoabi, umalokazana wake, kanye naye, e buya ezweni la seMoabi: ba fika eBetlehema ekuqaleni kokuvuna ibarle.

## ISAHLUKO 2.

**U**NAOMI wa e nesihlobo somnyeni wake, e iqawe, wa sesizalweni sika Elimeleki, igama lake uBoazi.

2 uRute wa seMoabi wa ti kuNaomi, Ma ngi ye ensimini, ngi kotoze izikwebu emva kwalowo engi ya kutumana umusa emehlweni ake. Wa ti kuye, Hamba, mntanami.

3 Wa hamba, wa ya wa kotoza ensimini emva kwabavuni: wa fika ensimini ka Boazi owesizalo sika Elimeleki, e be ngazi ekabani.

4 Bheka, uBoazi wa fika, e vela eBetlehema, wa ti kubavuni, uJehova ka be nani: ba ti kuye, uJehova ka ku busisa.

5 uBoazi wa ti encekwini yake, eya i misiwe pezu kwabavuni, Esika bani lesisifazana na?

6 Inceku, eya i misiwe pezu kwabavuni, ya pendula, ya ti, U isifazana sa seMoabi, esa buya noNaomi ezweni la seMoabi;

7 Sa ti, Ma ngi kotoze, ngi bute pakati kwezitungu emva kwabavuni: wa se e fika, u be kona iloku kwa sa ku ze ku be manje, wa hlala isikatyana endlilini kupela.

8 uBoazi wa ti kuRute, A u zwa ini, nitanami? U nga yi ukukotoza kwenye insimu, u nga suki lapa, kepa u namatele lapa kwabesifazana bami;

9 Amehlo ako ka bheke insimu aba i vunayo, u ba landele: a ngi ba yalanga ini abafana ukuba ba nga ku katazi? nxa womile, hamba u ye ezityeni, u puze loku aba ku kileyo abafana.

10 Wa se e wa ngobuso, wa kotama pansi, wa ti kuye, Ngi tolile ngani umusa emehlweni ako, ukuba u ngi bheke, loku ngi ngowezizwe?

11 uBoazi wa pendula wa ti kuye, Se ku bikiwe kimi konke o kwenzileyo kunyokozala iloku wa fa umyeni wako, nokuti u shiyile uyihlo, nonyoko, nezwe lokuzalwa kwako, weza kubantu o nga bazanga ngapambili.

12 uJehova ka ku vuze ngomsebenzi wako; uJehova, uTixo ka Israeli, o ze ukwetemba pansi kwamapiko ake, a ku nike umvuzo opeleleyo.

13 Wa ti, ma ngi fumane umusa emehlweni ako, nkosi yami, ngokuba u ngi tokozisile, u kulumile kahle kuyo incekkukazi yako, noma ngi nge njengezincekkukazi zako.

14 uBoazi wa ti kuye, Ngesikati soku-dhla, woza lapa, u dhle ukudhla, u gebozele isinkwana sako emtutyini. Wa hlala ngasecaleni kwabavuni: wa m nika amabeli osiweyo, wa suta, wa wa shiya.

15 Se e sukile ukuya kukotoza, uBoazi wa yala abafana bake, wa ti, Ka kotoze na pakati kwezitungu, ni nga m hlupi:

16 Ni ke ni m kipele okunye ezitungwini, ni ku shiye ukuba a ku kotoze, ni nga m soli.

17 Kwa njalo wa kotoza kwa za kwa hlwa, wa bula a be ku kotozile: kwa ku nga ti iefa lebarle.

18 Wa ku tabata, wa ya emzini: uninazala wa bona loko a be ku kotozile: wa kipa wa m nika loko a be ku shiyile, e se suti.

19 Uninazala wake wa ti, Wa kotozapi namhla na? wa sebenzapi? ka busiswe lowo owa ku bhakayo. Wa m tyela uninazala wake ukuba wa sebenza kubani; wa ti, Igama lomuntu enga sebenza ku ye namhla li nguBoazi.

20 uNaomi wa ti kumalokazana wake, Ka busiswe uJehova, o nga yekanga umusa wake kwabapilileyo na kwabafileyo. uNaomi wa ti kuye, Lomuntu u isihlobo setu, u ngowa kiti.



21 uRute wa seMoabi wa ti, futi, wa ti kimi, Wo namatela kubantu bami ba ze ba qede ukuvuna konke kwami.

22 uNaomi wa ti kuRute, umalokazana wake, Kuhle, mtanami, ukuba u pume nabesifazana bake, u nga hlutywa kwenye insimu.

23 Kwa njalo wa bambelela kwabesifazana sika Boazi, ukuba a kotoze, kwa za kwa pela ukuvuna ibarle nokolweni; kona wa hlala noninazala wake.

ISAHLUKO 3.

**U**NAOMI uninazala wa ti kuye, Mtanami, ma ngi nga ku funeli ukupumula, ukuba ku be kuhle kuwe na?

2 uBoazi, o bu nesifazana sake, a siso isihlobo setu na? Bheka, u yela ibarle ngalobubusuku esibuyeni.

3 Ngako hamba u geze, u geobe, u gqoke, u ye esibuyeni: kepa u nga zazisi kulowomuntu u nga ka qedi ukudhla nokupuzo.

4 Ku za kuti, nxa e sa lala, wo qonda indawo a za kulala kuyo, u ngene, wambule ezinyaweni zake, u lala; u ya kukutela loko o za kukwenza.

5 Wa ti kuye, Konke o ku tyoyo ngi ya kukwenza.

6 Wesuka, wehla, wa ya esibuyeni, wenza konke a m yala ngako uninazala wake.

7 uBoazi wa dhla, wa puza, ya tokoza inhliziyoyake, wa ya ukulala ekugcineni kwenqwaba yanibele; wa ngena kahle, wambula ezinyaweni zake, wa lala.

8 Kwa ti pakati kobusuku, wetuka umuntu, wa penduka, bheka, isifazana sa si lele ezinyaweni zake.

9 Wa ti, Ubani wena na? Wa ti ngi uRute, incekekazi yako; yembesake incekekazi yako ngengubo yako; ngokuba u umhlengi.

10 Wa ti, Ka u busiswe nguJehova, mtanami; wenzile ku be kuhle ububele bako ba semva ku nobokuqala, loku u nga zi landelanga izinsizwa, noma zi mpoфу noma zi cebile.

11 Kepa, mtanami, u ngesabi; ngi ya ku kwenzela konke o ku tyoyo: ngokuba unuzi wonke wabantu bakiti u yazi ukuti, u ngumfazi olungileyo.

12 Na manje ku qinisile, ngi umhlengi: kepa u kona umhlengi omkulu ku nami.

13 Hlala nga lobubusuku, ku za kuti kusasa, uma e ku hlenga, kuhle, ka hle-

nge: kepa uma e nga tandi ukukuhle-nga, ngi ya kukuhlenga, Jehova: lala ku ze ku se.

14 Wa lala ngasezinyaweni zake kwa za kwa sa. Wa vuka be nga kazani abantu. Ngokuba wa ti, A ku ngaziwa ukuti, umfazi wa ngena esibuyeni.

15 Wa ti, Leta ingubo o yambatayo, u i bambe. Wa i bamba; wa linganisa izilinganiso ezi isitupa zebarle, wa zi beka pezu kwake; wesuka wa ya emzini.

16 Wa fika kuninazala; yena wa ti, U ubani wena, mtanami? wa m tyela konke a be m enzele kona lowomuntu.

17 Wa ti, Wa ngi nika lezizilinganiso ezi isitupa zebarle; ngokuba wa ti kimi, U nga yi kunyokozala, u nga pete uto.

18 Wa ti, Hlala kahle, mtanami, u ze wazi ukuba ku petelapi; ngokuba lomuntu ka yi ku hlala, e nga ka qedi lomsebenzi namhla.

ISAHLUKO 4.

**U**BOAZI wa kupuka wa ya esangweni, u wa hlala kona: bheka, umhlengi, a kuluma ngaye uBoazi, wa dhulula: wa ti kuye, We, pambuka, u hlale lapa, wena lo. Wa pambuka, wa hlala.

2 Wa tabata abantu aba ishumi kuwo amalunga omuzi, wa ti, Hlalani lapa. Ba hlala.

3 Wa ti kumhlengi, uNaomi, owa buya ezweni la seMoabi, u ya tengisa ngezwe, ela li elika Elimeleki umfo wetu.

4 Be ngi ti ngi za kutyo kuwe ngi ti, Li tenge pambi kwabahleziyo na pambi kwamalunga abantu ba kiti. Uma u li hlenga, li hlenge; kepa uma u nga li hlengi, ngi tyele, ukuba ngazi: ngokuba ka ku se ko omunye o nga li hlenga ngapandhle kwako; nami ngi semva kwako. Wa ti, Ngi ya kulihlenga.

5 uBoazi wa ti, Msukwana u li tenga izwe esandhleni sika Naomi, u li tenga kuRute wa seMoabi, umfazi wofileyo, ukuba u li vuse igama lofileyo efeni lake.

6 Umhlengi wa ti, A ngi nakuzihlengela, funa ngi lona ifa lami: zihlengele wena izwe lokuhlenga kwami; ngokuba angu nakuzihlengela.

7 Loku kwa ku umteto kwaIsraeli kuqala ngokuhlenga na ngokwenana, ukuba ku qiniswe imisebenzi yonke; umuntu wa kumula isicatulo sake, wa si nika kowazana naye: loku kwa ku ubufakazi kwaIsraeli.

8 Umhlengi wa ti kuBoazi, Zitengele. Wa kumula isicatulo.

9 uBoazi wa ti kumalunga, na kuba-ntu, Ni ngofakazi namhla bokuti, ngi tengile konke okwa ku okuka Elimeleki, nako konke okwa ku okuka Kiloni nokuka Maloni, esandhleni sika Naomi.

10 uRute wa seMoabi, umka Maloni, ngi m tengile naye a be umkami, ukuba li vuswe igama lofileyo efeni lake, ukuba igama lofileyo li nga nqunywa kubafo wabo na sesangweni la lendawo: ni ngofakazi namhla.

11 Abantu bonke aba be sesangweni, namalunga, ba ti, Si ngofakazi. uJehova ma kenze lomfazi ofikayo endhlini yako a be njengoRakeli na njengoLea, aba yakayo indhlu ka Israeli labobabili; ma u fuye wena eEfrata, u zuze igama eBetlehema :

12 Indhlu yako ma i be njengendhlu ka Perezi, uTamari a m zalela uJuda, ngenzalo uJehova a ya kukunika yona ngalomfazi.

13 Kwa njalo uBoazi wa m tabata uRute, wa ba umkake: wa ngena kuye, uJehova wa m uika ukukulelwa, wa zala indodana.

14 Abafazi ba ti kuNaomi, Ma ka bongwe uJehova, o nga ku shiyanga namhla u nga bi namhlengi, igama lake ma li dume kwaIsraeli.

15 Ma ka buyise ukupila kwako, a kondhle ebudaleni bako: ngokuba umalokazana wako, o ku taudayo, omuhle kuwe kunamadodana a isikombisa, u m zele.

16 uNaomi wa tabata umntwana, wa m bheka esifubeni sake, wa ba umzanyana wake.

17 Abafazi abakelene naye ba gamba igama lokuti, Ku zelwe indodana kuNaomi; ba biza igama lake ngokuti, uObedi: yena u nguyise ka Jese, uyise ka Davida.

18 Lezi zi izizukulwane zika Perezi: uPerezi wa zala uHezroni,

19 uHezroni wa zala uRamu, uRamu wa zala uAminadabi,

20 uAminadabi wa zala uNashoni, uNashoni wa zala uSalmoni,

21 uSalmoni wa zala uBoazi, uBoazi wa zala uObedi,

22 uObedi wa zala uJese, uJese wa zala uDavida.

## INCWADI YOKUQALA KA

# SAMUELI.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ku kona umuntu wa seRamataimzofini, entabeni iEfraimi, igama lake la li nguElkana, indodana ka Jerohamu, indodana ka Elihu, indodana ka Tohu, indodana ka Zufi e ngowakwa Efraimi.

2 Wa e nabafazi ababili; igama lomunye la li nguHana, igama lomunye la li nguPenina; uPenina wa e nabantwana, kepa uHana wa e nge nabantwana.

3 Lowomuntu wa puma emzini wake wenyuka iminyaka ngeminyaka ukuba a kuleke a hlabele uJehova weni-kosi eShilo. Amadodana omabili ka Eli, uHofni noFinchasi, a e kona e ngabapristi baka Jehova.

4 Kwa ti, ngosuku a hlaba ngalo uElkana, wa nika uPenina umkake, namadodana onke ake, namantombazana ake izabelo;

5 Kepa wa m nika uHana isabelo sa

pindwa kabili, ngokuba wa m tanda uHana, kodwa uJehova wa e si valile isisu sake.

6 Isita sake sa m cunula nokumcunula ukuba a m tukutalise, ngokuba uJehova wa e si valile isisu sake.

7 Kwa ba njalo iminyaka ngeminyaka; nxa e nyukela endhlini ka Jehova wa m cunula kanjalo, ngako wa kala, e nga dhli luto.

8 uElkana umyeni wake wa se e ti kuye, Hana, u kalelani? a u dhli ngani na? inhliziyo yako i dabukeleni na? a ngi wa dhlu ini amadodana a ishumi kuwe na?

9 uHana wesuka, e se dhlile eShilo, e se puzile. uEli umpristi wa e hlezi esihlalweni, ngasempundwini yetempeli lika Jehova.

10 Wa e dabukile emoyeni, wa kuleka kuJehova wa kala nokukala.

11 Wa funga isifungo, wa ti, Jehova

wemikosi, uma u bheka ukuhlupeka kwencekukazi yako, u ngi kumbule, u nga kohlwa incekukazi yako, u nike incekukazi yako umntwana wesilisa, ngi ya kuminika uJehova a be owake izinsuku zonke zokupila kwake, impuco a i yi kubekwa ekanda lake.

12 Kwa ti, e senezelela ukukuleka kwake kuJehova, uEli wa bheka umlomo wake.

13 uHana wa kuluma euhliziyweni yake, umlomo wake wa zamazama kodwa, izwi lake a li zwakalanga; uEli wa ti u dakiwe.

14 uEli wa ti kuye, U ya kudakwa ku ze ku be nini na? susa iwaini lako kuwe.

15 uHana wa pendula wa ti, Ai, nkosi yami, ngi umfazi womoya o dabukileyo; a ngi puzanga iwaini notywala; nga tulula umpfumlo wami pambi kuka Jehova.

16 Musa ukulinganisa incekukazi yako nomfazi omubi: ngokuba ngobuningi bokuhlupeka kwami nomunyu wami ngi kulumile ku ze ku be manje.

17 uEli wa pendula wa ti kuye, Hamba kable; uTixo ka Israeli a ku nike loko o ku kulekileyo kuye.

18 Wa ti kuye, Incekukazi yako ma i tole umusa emehlweni ako. Wa se e suka lowomfazi, wa hamba, wa dhla; ubuso bake a ba be bu sa nyukumala.

19 Ba vuka kusasa, ba kuleka pambi kuka Jehova, ba buya ba ya ekaya labo eRama, uElkana wa mazi uHana umkake; uJehova wa m kumbula.

20 Kwa ti, se zi pelele izinsuku, uHana wa kulelwa, wa zala indodana, wa qamba igama layo uSamueli. Ngokuba wa ti, Nga m cela kuJehova.

21 Wenyuka lowomuntu, uElkana, nendhlu yonke yake, ukuya kuinkela kuJehova umnikelo weminyaka ngeminyaka, nesifungo sake.

22 Kepa uHana kenyukanga; ngokuba wa ti kumyeni wake, Ngi ya kuhlala a ze a lunyulwe umntwana, kona ngi ya kumyisa, ukuba a bonakale pambi kuka Jehova, a hlale kona njalonzalo.

23 uElkana umyeni wake wa ti kuye, Yenza okuhle emehlweni ako; hlala u ze u m lumule; kepa uJehova ma qinise izwi lake. Kwa njalo wa hlala umfazi, wa i neelisa indodana yake wa za wa i lumula.

24 E se m lumulile, wenyuka naye, namatole amatatu, neefa lempupu, ne-

gaba lewaini, wa m yisa endhlini ka Jehova, eShilo; umntwana wa e se mncane.

25 Ba hlaba itole, ba m yisa umntwana kuEli.

26 Wa ti, E nkosi yami, ukupila kompfumlo wako, nkosi yami, ngi umfazi o wema kuwe lapa, e kuleka kuJehova.

27 Nga kuleka lomntwana; uJehova wa ngi nika e nga ku cela kuye.

28 Ngako nami ngi m nikile kuJehova: izinsuku zonke zokupila kwake u nikiwe kuJehova. Wa bongwa uJehova kona.

## ISAHLUKO 2.

UHANA wa kuleka, wa ti, Inhliziyoyami i ya tokoza, upondo lwami lu pakeme kuJehova; umlomo wami u banzi pezu kwezita zami, ngokuba ngi jabula ngokusindisa kwako.

2 Amuko o ingewele njengoJehova, ngokuba akuko namunye ngapandhle kwako, aliko netye eli njengoTixo wetu.

3 Ni ngandisi ukukuluma ngokuzidhla okukulu, ku nga pumi ukuziqenya emlonyeni wenu: ngokuba uJehova u ngu-Tixo wokwazi, imisebenzi i linganiswa uye.

4 Imicibityelo yamaqawe yapuliwe, kepa be kubeka ba binqiswe ngamandhla.

5 Aba be suti ba sebenzela isinkwa, kepa aba be lambile ba peza ukusebenza: naye o wa e inyumba u zele aba isikombisa, kepa o nabantwana abaningi u se pela 'mandhla.

6 uJehova u ya bulala, a pilise; u yehlilise eSheoli u yenyusa.

7 uJehova u ya puca, u ya fuyisa; u ya tobisa, u ya pakamisa.

8 U ya vusa ompofu otulini, u ya pakamisa odingayo ezaleni, a ba hlalise nezikulu, a ba nike isihlalo sobukosi: ngokuba izinsika zomhlaba zi e zika Jehova, wa beka umhlaba pezu kwazo.

9 U ya kugecina izinyawo zabangewele bake, kepa ababi ba ya kutula ebunyanmeni; ngokuba umuntu ka yi kwahlula ngamandhla.

10 Aba m pikayo uJehova ba ya kucobozeka; u ya kuduma ezulwini pezu kwabo uJehova u ya kwahlula imikaulo yezwe, a nike inkosi amandhla, a pakamise upondo logcotyiweyo wake.

11 uElkana wesuka wa ya eRama ekaya lake. Umntwana wa kouza uJehova pambi kuka Eli umpriisti.

12 Amadodana ka Eli a e ngabantu ababi; ba be nga mazi uJehova.

13 Ngomteto wabapristi kubantu nxa umuntu e nikela umhlatyelo, ineeke yompristi ya i za, inyama i sa pekwa, i pete imfoloko e namazinyo amatatu,

14 I hlabe ngayo esoeweni, nokuba embizeni, nokuba ekanzini, nokuba ebo-dweni; kouke e ku kipayo imfoloko, a ku tabate umpristi ku be okwake. Benze njalo eShilo kubo bonke abaIsraeli a ba beza kona.

15 Ku nga ka tyiswa amanoni, ya i za inceku yompristi, i ti kumuntu o hlabayo, Leta inyama yokoselwa umpristi; ngokuba ka yi kutabata kuwe inyama epekiweyo, kodwa eluhlaza.

16 Uma lowomuntu e ti kuyo, Impela ba ya kutyisa amanoni kaloku, kona u nga tabati njengokutanda kwako, ya i ti, Ai, wo ngi nika yona manje; uma u nga ngi niki, ngi ya ku yi tabata ngamandhla.

17 Kwa njalo isono sezinsizwa sa si sikulu kakulu pambi kuka Jehova; ngokuba abantu ba be nengwa umnikelo kaJehova.

18 uSamueli wa konza pambi kuka Jehova, e se umntwana, e bincile iefodi lebadu.

19 Unina wa m enzela ibantyi elineinyane ituniki wa li yisa kuye iminyaka ngeminyaka, e senyuka nomyeni wake ukuya kunikela umhlatyelo weminyaka ngeminyaka.

20 uEli wa busisa uElkana nomkake, wa ti, uJehova a ku nike ngalomfazi inzalo ngesipo a piwa sona uJehova. Ba goduka.

21 uJehova wa kumbula uHana, wa kulelwa, wa zala amadodana amatatu namantombazana amabili, umntwana uSamueli wa kula pambi kuka Jehova.

22 uEli wa e semdala kakulu, wezwa konke a kwenzayo amadodana ake kubo bonke abaIsraeli, nokuti a e lala nabesifazana aba be konza emnyango wetente wokuhlangana.

23 Wa ti kuwo, Nenzelani okunje? ngokuba ngi zwa imisebenzi yenu emibi ku lababantu bonke.

24 Ai, madodana ami; a ku siyo indaba elungileyo e ngi yi zwayo; ni ya benza abantu baka Jehova bone.

25 Nxa umuntu ona umuntu uTixo u ya kumahlula; kepa nxa umuntu ona kuJehova u ya kumelwa ubani na? Kodwa abalalanga izwi lika yise, ngoku-

ba kwa ku intando ka Jehova ukuba a ba bulale.

26 Umntwana uSamueli wa kula wa muhle kuJehova nakubantu.

27 Kwa fika umuntu ka Tixo kuEli, wa ti kuye, U tyo uJehova, u ti, Impela nga bonakala ini endhlini ka yihlo, be se kona Egipite, emzini ka Faro na?

28 Nga m keta kuzo zonke izizwe za kwaIsraeli, a be umpristi wami, a nikele elatini lami, a tyise impepo, a fake iefodi pambi kwami, nga i nika indhlu ka yihlo iminikelo yokutyiswa yabaka Israeli.

29 Ni nyatelelani umhlatyelo wami, nomnikelo wami, e ngi yi yalile endhlini yami, u tuse amadodana ako kunami, ni zikulupalise ngobuhle beminikelo yonke yabaIsraeli abantu bami.

30 Ngako u tyo uJehova uTixo kaIsraeli, u ti, Nga tyo impela nga ti, Indhlu yako, nendhlu ka yihlo yo hamba pambi kwami njalonjalo; kepa kaloku u tyo uJehova, u ti, Qa; ngokuba aba ngi tusayo, ngi ya kubatusa; aba ngi deelayo ba ya kweyiswa.

31 Bheka, zi yeza izinsuku e ngi ya kunquma ngazo ingalo yako, nengalo yendhlu ka yihlo, ku nga bi ko ixegu enhlini yako.

32 U ya kubona ukuhlupeka kwendhlu kuko konke obwenza okuhle kwa Israeli; a ku yi kubako ixegu endhlini yako ku ze ku be nini.

33 Kepa a ngi yi kukunqumela bonke elatini lami, ukuba amehlo ako a qedwe, unpefumlo wako u pele amandhla; bonke abenzalo yako ba ya kufa be se amadoda.

34 Loku ku ya kuba isiboniso kuwe; oku ya kwehlela amadodana ako amabili, uHofni noFinehasi: ba ya kufa bobabili ngosuku lunye.

35 Ngi ya kuzivusela umpristi oqinisi-leyo, o za kwenza okwenhliziyo yami nokompefumlo wami; ngi ya kunakela indhlu eqinisileyo; u ya kuhamba pambi kogcotyiweyo wami izinsuku zonke.

36 Ku za kuti lowo oseleyo endhlini yako u ya kuza, a kuleke kuye imalana nesinkwana, a ti, A ke u ngi geobe ngi be umpristi, ukuba ngi dhle ucezwana lwesikwa.

### ISAHLUKO 3.

UMNTWANA uSamueli wa konza uJehova pambi kuka Eli. Izwi lika Jehova la li nga yami ngalezozinsuku; kwa ku nge ko isiboniso ebantwini.

2 Kwa ti ngalesosikati uEli wa e lele endaweni yake, amehlo ake a qala ukupipala, e nga bonisisi;

3 Ikandela lika Tixo la li nga ka cimi, uSamueli wa e lele etempelini lika Jehova, lapo kwa ku kona umpongolo ka Jehova;

4 uJehova wa biza uSamueli; wa ti, Ngi lapa.

5 Wa gijima wa ya kuEli, wa ti, Ngi lapa, ngokuba u ngi bizile, Wa ti, A ngi ku bizanga; buya u lala. Wa ya, wa lala.

6 uJehova wa pinda wa m biza uSamueli futi. uSamueli wesuka wa ya kuEli, wa ti, Ngi lapa, ngokuba u ngi bizile. Wa ti, a ngi ku bizanga, mntanami, buya, u lala.

7 Kepa uSamueli wa e nga ka mazi uJehova; izwi lika Jehova la li nga kembulwa kuye.

8 uJehova wa pinda wa m biza uSamueli ngokwesitatu. Wesuka wa ya kuEli, wa ti, Ngi lapa, ngokuba u ngi bizile. uEli wa bona ukuti unntwana wa e bizwa uJehova.

9 uEli wa ti kuSamueli, Hamba, u lala; ku za kuti, uma u bizwa, wo ti, Kuluma, Jehova, ngokuba ineeke yako i yezwa. uSamueli wa ya wa lala endaweni yake.

10 uJehova weza wema, wa biza nje nga kuqala, wa ti, Samueli, Samueli, Samueli, wa ti, Kuluma, ngokuba ineeke u yezwa.

11 uJehova wa ti kuSamueli, Bheka, ngi za kwenza into kwaIsraeli, izindhlebe zombili zabo bonke abezwayo zi ya kukuceza.

12 Ngalolosuku ngi ya kwenza kuEli konke e ngi ku tyiloyo ngendhlu yake, ngi qale ngi ze ngi qede.

13 Nga m tyela ukuti, ngi za kwahlula indhlu yake njalunjalo ngokona: ngokuba wazi ukuti amadodana ake a e zehlisela ukutukwa, kepa ka wa kuzanga.

14 Ngako ngi fungile ngayo indhlu ka Eli ngokuti, u kona kwendhlu ka Eli a ku yi kutetelelwa ngomhlatyelo nangomnikelo ku ze ku be pakade.

15 uSamueli wa lala kwa za kwa sa; kona wa vula iminyango yendhlu ka Jehova. Kepa uSamueli wesaba ukumtyela uEli lesisiboniso.

16 uEli wa biza uSamueli, wa ti, Samueli, mntanami, Wa ti, Ngi lapa.

17 Wa ti, Ku intoni a ku tyoyo kuwena? u nga i fhli kimi. uTixo a kenze

njalo kuwe e nezelele, uma u fhla uto kimi kuko konke a ku tyoyo kuwe.

18 uSamueli wa m tyela konke; ka m fhlelanga luto. Wa ti, U nguJehova; a kenze okuhle emehlweni ake.

19 uSamueli wa kula; uJehova wa e naye, ka li wisanga pansi nalinye izwi kuwo onke amazwi ake.

20 Kwaziwa abaIsraeli bonke, ku suka eDani ku ze ku fike eBereseba, ukuti uSamueli wa e qinisiwe a be umprofeti ka Jehova.

21 uJehova wa pinda wa bonakala eShilo; ngokuba uJehova wa bonakala kuSamueli eShilo ngezwi lika Jehova.

#### ISAHLUKO 4.

**I**ZWI lika Samueli leza kubo bonke abaIsraeli ba puma ba ya kulwa namaFilisti, ba misa ngaseEbenezeri; amaFilisti a misa Afeki.

2 AmaFilisti a zihlela ukuya kuhlangana nabaIsraeli; ba lwa; abaIsraeli bahlulwa amaFilisti a ba bulala empini endhle abantu ku nga ti aba izinkulungwane ezine.

3 Abantu ba ngena ekamu, amalunga a kwaIsraeli a ti, uJehova u si bulaleleni namhla pambi kwamaFilisti? Si ya kutabata umpongolo wesivumelwano, sika Jehova wemikosi eShilo si u lete lapa kiti, u ya kuza pakati kwetu, u si sindise esandhlani sezita zetu.

4 Abantu ba tuma eShilo ba u tabata kona umpongolo wesivumelwano sika Jehova wemikosi, o hlezi kuwo amakerubi; amadodana amabili ka Eli, uHofni noFinehasi, a e kona nompongolo wesivumelwano sika Tixo.

5 Kwa ti umpongolo wesivumelwano sika Jehova u sa fika ekamu, abaIsraeli bonke ba halalisa kakulu, kwa zamazama umhlaba.

6 AmaFilisti ezwa umsindo wokuhlalalisa, a ti, Ku tini umsindo wa lokukuhlalalisa okukulu ekamu lamaHeberu? A bona ukuti umpongolo ka Jehova wa u fikile ekamu.

7 AmaFilisti esaba, ngokuba a ti, uTixo u fikile ekamu. A ti, Nako kitina! ngokuba a ku bonanga ku be kona kunjalo ngapambili.

8 Nako kitina! ubani o ya kusindisa esandhlani salaba otixo aba namandhla? ilaba otixo aba bulala abasEgipite ngezifo zonke ehlane.

9 Qinisani, ni be amadoda, nina maFilisti, ni nga konzi amaHeberu, njenga-

loku e ni konzile; a no ba amadoda, ni lwe.

10 AmaFilisti a lwa, abaIsraeli bahlulwa, ba baleka bonke, ba ya kotente babo; ukubulawa kwa ku kulu kakulu, kwa wa kubaIsraeli abantu aba hamba pansa aba izinkulungwane ezimashumi matatu.

11 Umpongolo ka Tixo wa tatyatwa, a fa amadodana amabili ka Eli, uHofni noFinehasi.

12 Kwa puma umuntu wa kwa Benjamini empini, wa gijima wa ya eShilo ngalolosuku, izingubo zake zi dabukile, umhlabati u sekanda.

13 Wa fika, bheka, uEli wa e hlezi esihlalweni ngasendheleni, e linda; ngokuba inhliziyi yake ya i tutumela ngompongolo ka Tixo. Lowomuntu weza ukuba a bike emzini: umuzi wonke wa kala.

14 uEli wezwa umisindo wokukala, wa ti, U tiini lomisindo na? Lowomuntu wa tyetya wa ugena wa m tyela uEli.

15 uEli wa e neminyaka emashumi ashiyagalolunye nashiyagalombili, amehl ake a e mi, e nge nakubona.

16 Lowomuntu wa ti kuEli, Ngi uye owa puma empini, nga baleka empini namhla. Wa ti, kunjani, mntanami?

17 Isigijini sa pendula sa ti abaIsraeli ba balekile pambi kwamaFilisti, kwa ku kona ukubulawa okukulu ebantwini, namadodana ako omabili uHofni noFinehasi, se be file, nompongolo ka Tixo wa tatyatwa.

18 Kwa ti, e sa kuluma ngompongolo ka Tixo, wa wa nyovane esihlalweni ngasesangweni, kwa puka intamo yake, wa fa; ngokuba wa e umuntu omdala enzima: wa e bahlulile abaIsraeli iminyaka emashumi mane.

19 Umalokazana wake, umka Finehasi, wa e kulelwe, e se za kubeleta, e se zwile lezozindaba, ukuti umpongolo ka Tixo u tatyatiwe, nokuti u file uyise nomyeni wake, wa kotama wa beleta, ngokuba wa fikelwa innemba.

20 Ngesikati sokufa kwake abafazi abemiyo naye ba ti, U ngesabi, ngokuba u zele indodana. Kepa ka pendulanga, ka bekanga inhliziyi yake.

21 Wa qamba umntwana uKabodi, e ti, Ubukosi bu tunjiwe kwaIsraeli ngokutatyatwa kompongolo ka Tixo na ngoyise nomyeni.

22 Wa ti, Ubukosi bu tunjiwe kwa-

Israeli, ngokuba umpongolo ka Tixo u tatyatiwe.

ISAHLUKO 5.

**A**MAFILISTI a tabata umpongolo ka Tixo, a u susa eEbenezeri a u yisa eAshdodi.

2 AmaFilisti a u tabata umpongolo ka Tixo, a u yisa endhlini ka Dagoni, a u misa ngakuye uDagoni.

3 Aba seAshdodi ba vuka kusasa ngangomso, bheka, uDagoni wa e wile pansi ngobuso pambi kompongolo ka Jehova. Ba m tabata uDagoni, ba m buyisela endaweni yake.

4 Ba vuka kusasa ngangomso, bheka, uDagoni wa e wile pansi ngobuso pambi kompongolo ka Jehova; kwa ku nqamukile ikanda lika Dagoni nezandhla zake zombili embundwini; wa sala uDagoni yedwa uqobo lwake.

5 Ngako abapristi baka Dagoni, naba ngenayo endhlini ka Dagoni, a ba nyateli embundwini ka Dagoni na namhla.

6 Isandhla sika Jehova sa si nzima pezu kwaba seAshdodi, wa ba bubisa, wa ba bulala ngamatumba, iAshdodi nezwe la kona.

7 Abantu ba seAshdodi ba bona ukuti kunjalo, ba ti, umpongolo ka Tixo ka Israeli a u nga hlali kitina, ngokuba isandhla sake si lukuni pezu kwetu, na pezu kuka Dagoni uTixo wetu.

8 Ba tuma ba butela kubo onke amaFilisti, ba ti, Si ya kwenzani ngompongolo ka Tixo ka Israeli? A ti, umpogolo ka Tixo ka Israeli a u suselwe eGati. Ba u susela eGati umpongolo ka Tixo ka Israeli.

9 Kwa ti se be u susile kona, isandhla sika Jehova sa si ku lowomuzi; kwa ku kona isipitipiti esikulu kakulu; wa ba bulala abantu bomuzi, abancinyane nabakulu, amatumba a mila kubo.

10 Ba yisa umpongolo ka Tixo eEkroni. Kwa ti, umpongolo ka Tixo u sa fika eEkroni, aba seEkroni ba kala ba ti, Ba letile kiti umpongolo ka Tixo ka Israeli, ukuba u si bulale tina nabantu betu.

11 Ba se be buta amakosi onke amaFilisti, ba ti, U suseni umpongolo ka Tixo ka Israeli, u buyele endaweni yawo, u nga si bulali tina nabantu betu; ngokuba kwa ku kona emzini wonke isipitipiti sokufa; isandhla sika Tixo sa si nzima kakulu kona.

12 Abantu aba nga fanga ba kwelwa amatumba; ukukala komuzi kwenyukela ezulwini.

## ISAHLUKO 6.

**U**MPONGOLO ka Jehova wa u kona ezweni lamaFilisti izinyanga ezi isikombisa.

2 AmaFilisti a biza abapristi nezanusi, a ti, Si ya kwenzani ngompongolo ka Jehova? Si tyeleni ukuba si nga u buyisela kanjani endaweni yawo.

3 Ba ti, Uma ni buyisa umpongolo ka Tixo ka Israeli, ni nga u buyisi uze; kepa a no buyisela kuye umnikelo wecala; kona ni ya kusindiswa, ni ya kwaziswa ukuba isandhla sake si nga suswa kini ngani.

4 Ba ti, U ya kuba yini umnikelo wecala e si nga u buyisela kuye? Ba ti, Amatumba a isihlanu egolide, namagundane a isihlanu egolide, njengokuma kwamakosi amaFilisti; ngokuba ku ukufa kuye pezu kwenu nonke na pezu kwamakosi enu.

5 A no yenza imifanekiso yamatumba enu, nemifanekiso yamagundane enu a eitayo izwe; a no bonga uTixo ka Israeli; mhlaumbe u ya kususa isandhla sake pezu kwenu, na pezu kotixo benu, na pezu kwezwe lenu.

6 Ni ya kuzenzelani zi be lukuni izihliziyi zenu, njengaloku abasEgipite noFaro benza izinhliziyi zabo za ba lukuni? lapo wenza izimangaliso pakati kwabo, a ba ba dedelanga ini, be muka?

7 Tabatani kaloku inqola entya, ni i lungise, nezinkomazi ezimbili ezi ncelisayo, ezi nga bonanga zi botyelwa ngejokwe, ni zi bopele enqoleni ni suse izinkonyana zazo, ni zi shiye ekaya;

8 Ni tabate umpongoi ka Jehova, ni u beke enqoleni, nemifanekiso yegolide, eni i buyisela kuye, i be umnikelo wecala, ni i fake empongolweni o sohlangotini lwayo, ni i tume, i hamba.

9 Ni ya kubona, uma yenyuka nge-ndhlela ya sezweni lake ukuya eBetishemeshi, nguye o senzele lobububi obukulu; kepa uma i ngenyukeli kona, si ya kukwazi ukuti a siso isandhla sake esa si bulalayo; sehlelwe ingozi.

10 Abantu benza njalo, ba tabata izinkomazi ezincelisayo, ba zi bopela enqoleni, ba zi valela izinkonyana zazo ekaya;

11 Ba beka umpongolo ka Jehova enqoleni, nompongolo namagundane egolide, nemifanekiso yamatumba.

12 Izinkomo za qonda za hamba nge-ndhlela e ya eBetishemeshi, za hamba ngomendo munye, zi hamba zi kala, zi

nga pambukeli ngakwesokunene na ngakwesokohlo; amakosi amaFilisti a zi landela, a za a fika emkaulweni weBetishemeshi.

13 Aba seBetishemeshi ba be vuna ukolweni esihlanjeni. Ba bheka, ba bona umpongolo, ba tokoza ukuwubona.

14 Inqola ya ngena ensimini ka Joshua wa seBetishemeshi, yema kona lapo, la li kona itye elikulu; ba banda imiti yenqola, ba zi nikela izinkomo zi be umnikelo kuJehova.

15 AbaLevi betula umpongolo ka Jehova, nompongolo owa u nawo, kuyo imifanekiso yegolide, ba ku beka pezu kwalelolitye elikulu; abantu ba seBetishemeshi ba nikela iminikelo yokutyiswa, ba hlaba imihlatyelo kuJehova ngalolosuku.

16 Amakosi omahlanu amaFilisti a ku bona, a buyela eEkroni ngalolosuku.

17 Lawa a amatumba egolide, amaFilisti a wa buyisayo a be umnikelo wecala kuJehova; elinye eleAshdodi, elinye eleGaza, elinye eleAshkeloni, elinye eleGati, elinye eleEkroni.

18 Amagundane egolide a e njengokuma kwemizi yamaFilisti yamakosi omahlanu, imizi ebityelweyo nemizana ya ngapandhle na kulo itye elikulu, lika Abeli, aba bheka kuli umpongolo ka Jehova, li kona na namhla ensimini ka Joshua wa seBetishemeshi.

19 Wa ba bulala aba seBetishemeshi ngokuba ba buka umpongolo ka Jehova, wa bulala abantu aba izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu namashumi a isikombisa; abantu ba kala ngokuba uJehova wa e bulele abantu ngokubulala okukulu.

20 Abantu ba seBetishemeshi ba ti, ubani o ngema pambi kuka Jehova, loTixo ongewele? u ya kwenyukela kubani, e suke kitina?

21 Ba tuma izigijimi kubantu ba seKirjatjearimi, be ti, amaFilisti a buyisile umpongolo ka Jehova; yehlani, ni u kupulele kini.

## ISAHLUKO 7.

**A**BANTU ba seKirjatjearimi beza ba kupula umpongolo ka Jehova, ba u ngenisa endhlini ka Abinadabi entabeni, ba m ngewelisa uEliezari indodana yake, ukuba a geine umpongolo ka Jehova.

2 Kwa ti, isikati sokuhlala kompongolo eKirjatjearimi sa si isikati eside, sa si

iminyaka emashumi mabili; indhlu yonke ka Israeli ya kalela uJehova;

3 uSamueli wa kuluma kuyo yonke indhlu ka Israeli, wa ti, Uma ni buyela kuJehova ngenhliziyo yonke, susani kini otixo bezizwe, oAstarote, ni beke inhliziyu kuJehova, ni m konze yena yedwa; u ya kunisindisa esandhleni samaFilisti.

4 Kona abakaIsraeli ba susa uBali noAstarote, ba konza uJehova yedwa.

5 uSamueli wa ti, Butelani abakaIsraeli bonke eMizpa, ngi ya kunikulekela kuJehova.

6 Ba butana eMizpa; ba ka amanzi, ba wa tela pambi kuka Jehova, ba ti kona, Sonile kuJehova. uSamueli wa hlula abaka Israeli eMizpa.

7 AmaFilisti se e zwile kutiwa abaka Israeli ba butene eMizpa, amakosi amaFilisti a kupukela kuba Israeli, abaka Israeli se be zwile loko besaba amaFilisti.

8 Abaka Israeli ba ti kuSamueli, U nga yeki ukusikulekela kuJehova, uTixo wetu, ukuba a si sindise esandhleni samaFilisti.

9 uSamueli wa tabata izinyane lemvu, elineelayo wa li nikela li be umnikelo opeleleyo wokutyiswa kuJehova: uSamueli wa ba kalela abakaIsraeli kuJehova; uJehova wa inu zwa.

10 uSamueli e sa nikela umnikelo wokutyiswa, amaFilisti a sondela ukulwa nabaIsraeli; uJehova wa duma ngomisiko omkulu ngalolosuku pezu kwamaFilisti, wa wa eita, a bulawa abaka Israeli.

11 Abantu ba kwa Israeli ba puma eMizpa, ba xotya amaFilisti, ba wa bulala ba za ba fika ezansi kweBetkari.

12 uSamueli wa tabata itye wa li misa pakati kweMizpa neSheni, wa qauba igama lalo iEbenezeri, wa ti, uJehova u si sizile ku ze ku be manje.

13 AmaFilisti ahlulwa, a be sa pinda ukungena ezweni la kwa Israeli: isandhla sika Jehova sa si kuwo amaFilisti izinsuku zonke zika Samueli.

14 Imizi amaFilisti a be i tabatile kubaIsraeli ya buyiselwa kubaIsraeli, ku suka eEkroni ku ze ku fike eGati; namazwe ayo abakaIsraeli ba wa kipa esandhleni samaFilisti. Kwa ku kona ukutula pakati kwabakaIsraeli namaAmori.

15 uSamueli wa bahlula abakaIsraeli izinsuku zonke zokupila kwake.

16 Wa hamba iminyaka ngeminyaka wa zungeza wa ya eBeteli, na se Gilegal, na se izpa, wa bahlula abakaIsraeli kuzo zonke lezozindawo.

17 Wa buyela eRama, ngokuba la li kona ikaya lake; wa bahlula abakaIsraeli kona; wa makela kona uJehova ilati.

#### ISAHLUKO 8.

**K**WA ti, uSamueli e sendala, wa beka amadodana ake, a be abahluli ba-ba Israeli.

2 Igama lendodana yake yamazibulo la li nguJoeli; igama leyesibili la li ngu-Abija; ba be abahluli eBeresheba.

3 Kepa amadodana ake ka hambanga ngendhlela yake; a pambuka ukuba a pange, a tenga, a pambukisa umteto.

4 Amalunga onke a kwaIsraeli a butana eza kuSamueli eRama,

5 A ti kuye, Bheka, u su mdala; amadodana ako a hambi ngendhlela yako; si misele inkosi, i sahlule njengezizwe zonke.

6 Kepa loku kwa ku kubi emehlweni kaSamueli, lapo be ti, Si nike inkosi i sahlule. uSamueli wa kuleka kuJehova.

7 uJehova wa ti kuSamueli, Lalela izwi labantu ngako konke aba ku tyoyo kuwe, a si wena aba m delayo, kodwa ba dele mina, ukuba ngi nga bi inkosi yabo.

8 Njengemisebenzi yonke aba yenzi-leyo iloku nga ba kupula Egitpe ku ze ku be namhla, be ngi shiya, be konza abanye otixo, benza njalo na kuwe.

9 Manjeke lalela izwi labo; kepa ba yale impela, u ba tyele ukuma kwenkosi e ya kubusa pezu kwabo.

10 uSamueli wa ba tyela abantu aba e-la inkosi kuye amazwi onke ka Jehova.

11 Wa ti, Loku ku ya kuba ukuma kwenkosi e ya kubusa pezu kwenu; i ya kutabata amadodana enu, i zibekele wona enqoleni yayo na semahashini ayo, a ya kugijima panibi kwenqola yayo.

12 I ya kuzibekela woma a be izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamashumi amahlanu, amanye i ya kuwabeka ukuba a lime umhlalati wayo, a vune ukudhla kwayo, enze izikali zokulwa, nempahla yezinqola zayo.

13 I ya kutabata izintombi zenu, zi be izisebenzi zamaka, nabapeki, nabapeki besinkwa.

14 I ya kutabata namasimu enu nezivine zenu, nezihlwati zenu, ezinhle, i zi nike izinceku zayo.

15 I ya kutabata okweshumi kwembeu



yenu, nokwesivine senu, i ku nike izinduna zayo, nezineeku zayo.

16 I ya kutabata izigqili zenu zesilisa nezesifazana, nezinkabi zenu ezihle, nezimbongolo zenu, zi sebenze inisebenzi yayo.

17 I kutabate okweshumi kwezimvu zenu; ni ya kuba izigqili zayo.

18 Ni ya kukala ngalolosuku ngenkosi yenu ena be ni ziketele yona, kepa uJehova ka yi kunizwa ngalolosuku.

19 Abantu bala ukulalela izwi lika Samueli. Ba ti, Qa, inkosi i ya kuba pezu kwetu;

20 Si ya kuba njengezizwe zonke; inkosi yetu i ya kusahlula, i pume pambi kwetu, i lwe ekulweni kwetu.

21 uSamueli wezwa amazwi onke abantu, wa wa kuluma ezindhleleni zika Jehova.

22 uJehova wa ti kuSamueli, Lalela izwi labo, u ba nike inkosi, uSamueli wa ti kubantu ba kwaIsraeli, Hambani, ni ye emzini yenu.

### ISAHLUKO 9.

**K**WA ku kona umuntu wa kwaBenjamini, igama lake la li ngu Kishi, indodana ka Abieli, indodana ka Zerori, indodana ka Bekorati, indodana ka Afia, owa kwaBenjamini, iqawe elikulu.

2 Wa e nendodana, igama layo la li nguSauli, e insizwa emuhle; kwa ku ngeko umuntu kwabakaIsraeli omuhle kunaye; wa e mude ku nabo bonke abantu ku suka emahlombe ku ya pezulu.

3 Kwa lahleka izinjomane zika Kishi, uyise ka Sauli. uKishi wa ti kuSauli, indodana yake, Tabata incek u suke, u ye kufuna izimbongolo.

4 Wa suka wa dhlulela ezintabeni za kwa Efraimi, wa dhlulela ezweni la seShalisa, kepa a ba zi fumananga; ba dhlulela ezweni la seShalimi, za zi nge ko kona; ba dhlulela ezweni la kwa-Benjamini, ka ba zi tola.

5 Ba fika ezweni la seZufi, uSauli wa ti encekwini yake e ya i naye, Woza, a si buye, funa ubaba a kohlwe izimbongolo, a be novalo ngati.

6 Wa ti kuye, Bheka, u kona ku lomuzi umuntu ka Tixo, umuntu otusekayo; konke a ku tyoyo ku ya kwenzeka; a si ye kona; mhlambe u ya kusityela indhlele e nga si hamba ngayo.

7 uSauli wa ti encekwini yake, Kepa, bheka, uma si ya kona, si ya kumni-

kani lomuntu? ngokuba ukudhla ku pelile ezityeni zetu; a i ko into e si ya kumnika yona umuntu ka Tixo; si nani na?

8 Incek u ya pinda ya m pendula uSauli, ya ti, Bheka, ku kona lapa esandhlени sami okwesine kweshekeli lesiliva, ngi ya kumnika umuntu ka Tixo loku, ukuba a si tyele indhlele.

9 Kuqala kwaIsraeli, nxa umuntu e ya kubuza kuTixo, wa e ti, Wo za a si ye kumboni: ngokuba lo o tiwa umprofeti namhla kuqala wa e ngumboni.

10 uSauli wa ti encekwini, Lihle izwi lako; Wo za a si ye. Besuka ba ya emzini lapo wa e kona umuntu ka Tixo.

11 Be sa kupuka emmangweni wokuya emzini, ba fumana amantombazana e ya kuka amanzi, ba ti kuwo, U kona umboni na?

12 A ba pendula, a ti U kona; nangu pambi kwako; tyetyake; ngokuba u fikile namhla emzini; ngokuba u kona namhla umhlatyelo wabantu endaweni epakamileyo.

13 Nxa ni ngenile emzini kona ni ya kumfumana, e nga ka kupukeli endaweni epakamileyo ukuya kudhla; ngokuba abantu a ba yi kudhla e nga ka fiki, ngokuba u yena o busisa umhlatyelo: andu u ba ba dhle abamenyiweyo. Kupukani kaloku, ngokuba ni ya kumfumana ngalesisikati.

14 Ba kupukela emzini. Be sa ngena emzini, bheka, uSamueli wa e pumela kubo, ukuya kukupukela endaweni epakamileyo.

15 uJehova wa e m tyelile uSamueli ngosuku olu ngapambili kokufika kwake, wa ti,

16 Nga lesisikati ngomuso ngi ya kutuma kuwe umuntu wa sezweni la kwa-Benjamini, u ya kungoba, a be inkosi yabantu bami abaIsraeli; u ya kusindisa abantu bami esandhlени samaFilisti: ngokuba ngi bonile abantu bami; ukakala kwabo ku fikile kimi.

17 uSamueli wa bona uSauli, uJehova wa ti kuye, Nangu umuntu enga kuluma ngaye kuwe, nga ti, lo u ya kubusa abantu bami.

18 uSauli wa sondela kuSamueli esangweni, wa ti, A ke u ngi tyele ukuba i pi indhlu yomboni.

19 uSamueli wa m pendula uSauli, wa ti, Imina umboni; hamba pambi kwami u ye endaweni epakamileyo; ni ya kudhla nami namhla; ngi ya kukumu-

kisa kusasa, ngi ku tyele konke oku se-nhliziyweni yako.

20 Izimbongolo zako, e se zi nezinsuku ezintatu zi lahlekile, u nga katazi inhliziyo yako kuzo; ngokuba zi toliwe. Okukabani konke okutandekayo kuka Israeli? a si ko okwako nokwendhlu yonke ka yihlo?

21 uSauli wa pendula wa ti, A ngi siye owa kwaBenjamini kwesincinyane kuzo zonke izizwe zika Israeli? nendhlu ya kwetu incinyane kuzo zonke, izindhlu zesizwe sika Benjamini? u kulumelani okunje kimi?

22 uSamueli wa hamba noSauli neneeku yake, wa ba ngenisa endhlini yokudhla, wa ba nika indawo pambi kwabamenyiweyo, ku nga ti abamashumi amatatu.

23 uSamueli wa ti kumpeki, Leta ukudhla e nga ku nika, e nga tyo kuwe ngako, nga ti, ku londolozwe.

24 Umpeki wa tabata umlenze nokwa ku pezu kwawo, wa ku beka pambi kuka Sauli; wa ti, Naku okuseleyo ku bekiwe pambi kwako, yidhla, ngokuba ku londolozelwe wena ku ze ku fike lesisikati, iloku nga ti, Ngi memile abantu. uSauli wa dhla no Samueli ngalolosuku.

25 Behla endaweni epakamileyo, beza emzini, wa kuluma noSauli pezu kwendhlu.

26 Ba vuka kusasa; kwa ti, se ku sa, uSamueli wa biza uSauli e pezu kwendhlu, wa ti, Suka, ngi ku mukise. uSauli wesuka, ba puma bobabili, yena noSamueli, ba ya esitalatini.

27 Be shlela ekugcineni komuzi, uSamueli wa ti kuSauli, Yityo encekwini yako ukuba i dhulule pambili (ya dhulula,) kepa mana lapa isikati; ngi ya kukutyela izwi lika Tixo.

### ISAHLUKO 10.

**U**SAMUELI wa tabata umfuma wamafuta, wa wa tela ekanda lake, wa m anga, wa ti, A ku ngokuba uJehova u ku geobile ukuba u be inkosi yefa lake na?

2 Nxa u mukile kimi namhla, u ya kufumana abantu ababili etuneni lika Rakeli, ezweni la kwa Benjamini, eZelza, ba ya kuti kuwe, Izimbongolo owa ya ukuzifuna, zi toliwe; bheka, uyihlo u kohliwe izimbongolo, u kalela wena, u ti, Ngi ya kwenzejani ngomntanani?

3 U ya kudhlula kona, u ye pambili, u

fike eEloni la seTabori; lapo u ya kufumana abantu abatatu, be kupukela kuTixo eBeteli, omunye e pete amazinyane amatatu embuzi, omunye e pete izinkwa ezitatu, omunye e pete igaba lewaini.

4 Ba ya kukubingelela, ba ku nike izinkwa ezibili, o ya kuzamkela ezandhleni zabo.

5 Emva kwaloko u ya kufika entabeni ka Tixo, lapo li kona ikamu lamaFilisti; ku za kuti nxa u fikile emzini, u ya kuhlanguana nebandhla labaprofiti, behla endaweni epakamileyo, ku dhulula pambi kwabo ugubu, nenkohlisa, nesigubu, nomtyingo be profeta;

6 Umoya ka Jehova u ya kukwehlela; u ya kuprofeta nabo, u pendulwe u be omunye umuntu.

7 Nxa ku fikile kuwe leziziboniso, yenza esi ku fumanayo isandhla sako; ngokuba uTixo u nawe.

8 Yehla pambi kwami ukuya eGilgali, bheka, ngi ya kwehlela kuwe, ukuba ngi nikele iminikelo yokutyiswa, ngi hlabe imihlatyelo yokutula; hlala izinsuku ezi isikombisa ngi ze ngi fike kuwe, ngi ku tyele o za kukwenza.

9 Kwa ti, e se fulatele e muka kuSamueli, uTixo wa pendula inhliziyo yake i be enye: kwa fika leziziboniso zonke ngalolosuku.

10 Se be fikile lapo entabeni, bheka, ibandhla labaprofeti la hlanguana naye, umoya ka Tixo wa m chlela, wa profeta pakati kwabo.

11 Kwa ti, bonke aba be mazi kuqala se be bouile ukuti, bheka wa e profeta pakati kwabaprofeti, abantu ba ti, omunye komunye, Ku ini loku okwehlele indodana ka Kishi? naye uSauli u pakati kwabaprofeti na?

12 Umuntu wa kona wa pendula, wa ti, Ubani uyise wabo? Ngako kwa vela isiga sokuti, Naye uSauli u pakati kwabaprofeti na?

13 Se qedile ukuprofeta, wa ya endaweni epakamileyo.

14 Uyisekazi ka Sauli wa ti kuye na kuzo izinceku zake, Na ya ugapi na? Wa ti, Sa ya ukufuna izimbongolo; lapo se si bonile ukuti a zi ko sa ya kuSamueli.

15 Uyisekazi ka Sauli wa ti, A ku ngi tyele, wa tini uSamueli kini?

16 uSauli wa ti kuyisekazi, Wa si tyela ukuti zi toliwe izimbongolo. Kodwa a m tyelanga indaba yombuso, a kuluma ngayo uSamueli.

17 uSamueli wa mema abantu ukuba ba butane kuJehova eMizpa.

18 Wa ti kubantu bakwaIsraeli, U tyo uJehova uTixo ka Israeli, u ti, Nga kipa abaka Israeli Egipite, nga ni sindisa esandhlani saba sEgipite, na sesandhlani sezizwe zonke eza ni hlupayo.

19 Kepa ni m lahlile uTixo wenu namhla, yena owa ni sindisayo ebubini bonke benu na sezinsizini zenu, ni tyilo, na ti, Qa, kepa, beka inkosi pezu kwetu. Manje yimani pambi kuka Jehova ngezizwe zenu ngezinkulungwane zenu.

20 uSamueli wa sondeza izizwe zonke zika Israeli; kwa dhliwa isizwe sika Benjamini

21 Wa sondeza isizwe sika Benjamini ngezizalo zaso; kwa dhliwa isizalo sika Matri. uSauli indodana ka Kishi wa dhliwa; wa m funa kepa wa e nge nakufunyanwa.

22 Ba buya ba buza kuJehova ukuba lomuntu u be se za ku fika na? uJehova wa ti, Nangu, u catyile empahleui.

23 Ba gijima ba m tabata kona, wema pakati kwabantu, wa ba dhulula abantu bonke ngobude bake ku suka emahlombe ku ya pezulu.

24 uSamueli wa ti kubantu bonke, M bhekeni a m ketileyo uJehova; ka ko o njengaye kubantu bonke. Ba memeza abantu bonke ba ti, Ma i pile inkosi.

25 uSamueli wa ba tyela abantu ukuma kombuso, wa loba enwadini, wa ku beka pambi kuka Jehova. uSamueli wa ba mukisa abantu bonke, ba ya emakaya abo.

26 Naye uSauli wa ya ekaya eGibea; kwa hamba naye abantu bempi abanhliziyo zabo be zi vusiwe uTixo.

27 Kepa abantu ababi ba ti, Lomuntu u ya kuisindisa kanjani na? Ba m eisa, a ba m nikarnga luto. Kepa wa zitulela.

### ISAHLUKO 11.

**U**NAHASHI wa kwaAmoni wenyuka, wa misa eJabesh-Giladi; abantu bonke ba seJabeshi ba ti kuNahashi, Yenza isivumelwano nati, si ya kukukonza.

2 uNahashi wa kwa Amoni wa ti kubo, Ngaloku ngi ya kwenza isivumelwano nani, kokuti a ngi kipe amehlo onke enu okunene, ngi ku beke ku be ihlazo kuso sonke isizwe sika Israeli.

3 Amalunga a seJabeshi a ti kuye, Si yeke izinsuku ezi isikombisa, ukuba si tume izigijimi ezweni lonke lakwa Isra-

eli, uma ku nge ko muntu wokusindisa si ya kupumela kuwe.

4 Izigijimi za fika eGibea kwaSauli za wa landa lawamazwi ezindhleleni zabantu; abantu bonke ba dazuluka, ba kala.

5 Bheka, uSauli wa e landela izinkabi, e vela ensimini. uSauli wa ti, Abantu ba nani, ba kalelani? Ba m landisa amazwi abantu ba seJabeshi.

6 Umoya ka Tixo wa m ehlela uSauli e se zwile lawamazwi, wa tukutela kakulu.

7 Wa tabata izinkabi ezimbili, wa zi hlahlala, wa zi tuma ezweni lonke lika Israeli ngesandhla sezigijimi, e ti, Lowo o nga landeli uSauli noSamueli, ku ya kwenziwa njalo ezinkabiini zake. Abantu behlelwa uvalo ngaye uJehova, ba puma kungati ba muntu munye.

8 Wa ba bala eBezeki, abaka Israeli ba be izinkulungwane ezimakulu amata-tu, abantu ba kwa Juda ba be izinkulungwane ezimashumi matatu.

9 Ba ti kuzo izigijimi eza fikayo, A no tyo kubantu ba seJabesh-Giladi, ni ti, Ngomuso ngesikati sokubalela kwelanga ni ya kuba nokusindiswa. Izigijimi za fika za ba tyela abantu ba seJabeshi, ba tokoza.

10 Abantu ba seJabeshi ba ti, Ngomuso si ya kupumela kini, ni ngenza kitina konke okuhle ngokubona kwenu.

11 Kwa ti ngangomso uSauli wa nquma abantu ba ba izigaba ezitatu; ba fika pakati kwempi ngomlindo wakusasa, ba bulala amaAmoni la za la balela; kwa ti abaseleya ba hlakazeka, be nga hambi ababili ndawonye.

12 Abantu ba ti kuSamueli, Ubani owa ti, uSauli u ya kuba inkosi yetu na? ba leteni lapa lababantu, ukuba si ba bulale.

13 uSauli wa ti a ku yi kubulawa muntu ngalolosuku; ngokuba namhla uJehova wenzile ukusindiswa kwa Israeli.

14 uSamueli wa ti kubantu, Wozani, a si ye eGilgali, si vuse umbuso kona.

15 Abantu bonke ba ya eGilgali, ba m enza uSauli inkosi kona pambi kuka Jehova eGilgali, ba hlaba imihlatyelo yokutula kona pambi kuka Jehova; uSauli wa jabula kona, nabantu bonke ba kwaIsraeli, kakulu.

### ISAHLUKO 12.

**U**SAMUELI wa ti kubo bonke abaka Israeli, Bhekeni, ngi lalale izwi lenu

ngako konke eni ku tyoyo kimi, ngi bekile inkosi pezu kwenu.

2 Manje, bhekani, inkosi i ya kuhaba pambi kwenu; mina ngi mdala, ngi impunga; amadodana ami, bhekani, a kini; ngi hambile pambi kwenu iloku nga zalwayo ku ze ku be namhla.

3 Bhekani, ngi lapa. Fakazani ngami pambi kuka Jehova, na pambi kogeotyiweyo wake: ngi tate inkabi ka bani? ngi tate imbongolo ka bani? ngi dhle ubani? ngamkele intengo esandhlени sika bani, ukuba ngambese amehlo ami ngayo? ngi ya kukubuyisela kini.

4 Ba ti, A u si kohlisanga, a u si hlupanga, a wamukelanga uto esandhlени somuntu.

5 Wa ti kubo, uJehova u ufakazi kini, nogeotyiweyo wake u ufakazi namhla wokuti, a ni tolanga uto esandhlени sami. Ba ti, U ufakazi.

6 uSamueli wa ti kubantu uJehova owa beka uMosi noAroni, nowa kipa oyihlo ezweni la seEgipite.

7 Kaloku, yimani, ngi ya kukupukisana nani pambi kuka Jehova ngokulungana konke kuka Jehova, a kwenzileyo kini na koyihlo.

8 Lapo uJakobe wa fika Egipite, oyihlo ba kala kuJehova, kona uJehova wa tuma uMosi noAroni, ba kipa oyihlo Egipite, ba ba hlalisa ku lendawo.

9 Ba kohlwa uJehova uTixo wabo, wa tengisa ngabo esandhlени sika Sise- ra, induna yempi ka Hazori, na sesandhlени samaFilibisti, na sesandhlени senkosi ka Moabi, ba lwa nabo.

10 Ba kala kuJehova, ba ti, Sonile, ngokuba si m shiyile uJehova, sa konza uBali noAstarote; kodwa kaloku si kulule esandhlени sezita zetu, si ya kukukonza.

11 uJehova wa tuma uJerubali, noBedani, noJefta, noSamueli, wa ni kulula esandhlени sezita zenu inxa zonke, na hlata kahle.

12 Kepa lapo se ni bonile uNahashi inkosi yabaka Amoni e za kini, na ti kimi, Qa, kepa inkosi i ya kubusa pezu kwetu, inganti uJehova wa e inkosi yenu.

13 Nansike inkosi eni i ketileyo, eni i celayo; bhekani, uJehova u bekile inkosi pezu kwenu.

14 Uma ni m esaba uJehova, ni m kenze, ni lalele izwi lake, ni nga hlubuki emtsetweni ka Jehova; uma nina nenkosi yenu e busa pezu kwenu ni landela uJehova uTixo wenu, kuhle.

15 Kodwa uma ni nga laleli izwi, uma ni hlubuka umteto ka Jehova, isandhla sika Jehova si ya kuba kini, njengaloku sa si kona koyihlo.

16 Yimanike, ni bone lento enkulu, a ya kuyenza uJehova pambi kwamehlo enu.

17 A ku siso isikati sokuvuna ukolweni namhla na? Ngi ya kukuleka kuJehova, u ya kutuma ukuduma nemvula, ukuba nazi, ni bone ukuti ukona kwenu kukulu eni kwenzileyo emehlweni ka Jehova ngokueela inkosi.

18 uSamueli wa kuleka kuJehova; uJehova wa tuma ukuduma nemvula ngalolosuku; abantu bonke ba m esaba uJehova noSamueli kakulu.

19 Abantu bonke ba ti kuSamueli, Zi kulekele izinceku zako kuJehova uTixo wako ukuba zi nga fi; ngokuba senezelele lobububi kuzo zonke izono zetu ngokuziecelela inkosi.

20 uSamueli wa ti kubantu, Ni ngesabi. Nenzile lokukona konke; kepa ni nga pambuki ekumlandlени uJehova; m konzeni uJehova ngenhliziyoyonke.

21 Ni nga pambukeli ezintweni ezi ize, ezi nge nakusiza, ezi nge nakukulula, ngokuba zi ize.

22 Ngokuba uJehova ka yi kushiya abantu bake ngenxa yegama lake elikulu; ngokuba kwa ku kuhle kuJehova ukuba a nenze ni be abantu baKe.

23 Nami ngi ngone kuJehova ngokuyeka ukunikulekela; kepa ngi ya kunifundisa indhlela elungileyo neqondileyo.

24 Kodwa yesabani uJehova, ni m kenze ngeqiniso ngenhliziyoyonke; ngokuba, bhekani, okukulu a nenzile kona.

25 Kepa uma nenza ukona ni ya kubujiswa, nina nenkosi yenu.

### ISAHLUKO 13.

**U**SAAULI wa busa umnyaka wa ba mnyane; e se busile iminyaka emibili kwaIsraeli,

2 uSauli wa ziketela abantu aha izinkulungwane ezintatu kwaIsraeli, izinkulungwane ezimbili za zi noSauli eMiknashi na sezintabeni za seBeteli; inkulungwane enye ya i noJonatani eGibea la kwa Benjamin; abanye abantu wa ba mukisa ba ya kotente babo.

3 uJonatani wa hlula ikamu lamaFilibistini eLa li seGeba; kwaziwa amaFilibisti. uSauli wa tyaya itilongo ezweni lonke, e ti, ma kezwe amaHeberu.

4 AbaIsraeli bonke bezwa ku tiwa,

uSauli wahlulile ikamu lamaFilisti, nokuti abaIsraeli ba ya nengeka kuwo amaFilisti. Abantu ba bizwa ukuba ba m landele uSauli ba ye eGilgali.

5 AmaFilisti a butana ukuba a lwe nabaIsraeli; izinqola ezi zinkulungwane ezimashumi matatu, nabamahashi aba zinkulungwaue ezi isitupa, nabantu aba njengesihlabati esi sogwini lolwandle ngobuningi; benyuka, bemisa eMikmashi, ngasempumalanga kweBetaveni.

6 Abantu ba kwa Israeli ba bona ukuti ba sengcingweni, (ngokuba abantu ba katazeka,) abantu ba catya emihumeni, na semahlatini, na sematweni, na sezinqabeni, na semigodini.

7 AmaHeberu a wela iJordani, a ya ezweni la kwa Gadi nela kwa Giladi; uSauli wa e seGilgali; abantu bonke ba m landela, be tutumela.

8 Wa hlala izinsuku ezi isikombisa, isikati esimisiweyo uSamueli; kepa uSamueli a kezanga eGilgali; abantu ba hlakazeka kuye.

9 uSauli wa ti, Letani kimi umnikelo wokutyiswa, neminikelo yokutula.

10 Wa nikela umnikelo wokutyiswa. Kwa ti e se qedile ukunikela umnikelo wokutyiswa, bheka, uSamueli wa fika; uSauli wa puma ukuya kumhlangabeza, ukuba a m bingelele.

11 uSauli wa ti, Wenzani? uSauli wa ti, Nga bona ukuti abantu ba hlakazekile kimi, nokuti a u fikanga ngesikati esimisiweyo, nokuti amaFilisti a butane eMikmashi,

12 Nga ti, Kaloku amaFilisti a ya kwehlela kimi eGilgali, ngi nga kulekanga kuJehova, nga ziqinisa nga nikela umnikelo wokutyiswa.

13 uSamueli wa ti kuSauli, Wenze kabi, loku a u geinanga umyalo kaJehova, uTixo wako, a ku yala ngawo; ngokuba uJehova nga e se qinisile umbuso wako kwa Israeli njalonzalo.

14 Kepa manje umbuso wako a u yi kuma; uJehova u zifunele umuntu o njengenhliziyi yake, uJehova u m misile yena a be inkosi yabantu bake, ngokuba a u geinanga loku a ku yala ngako uJehova.

15 uSamueli wesuka, wa kupuka eGilgali wa ya eGibe la kwaBenjamini. uSauli wa bala abantu aba be kona naye, ku nga ti abantu abamakulu a isitupa.

16 uSauli noJonatani indodana yake nabantu aba be kona nabo ba hlala eGi-

be la kwaBenjamini, kepa amaFilisti a misa eMikmashi.

17 Abacitayo ba puma ekamu lamaFilisti ngezigaba ezitatu: esinye isigaba sa hamba ngendhlela e ya eOfra, ezweni la seShuali;

18 Esinye sa hamba ngendhlela e ya eBethoroni; esinye isigaba sa hamba nge ya ezweni eli bheka esihlanjeni sa seZebomi ngasohlane.

19 Kepa kwa ku nge ko umkandi ezweni lonke la kwa Israeli; ngokuba amaFilisti a ti, Funa amaHeberu a zenzela izinkemba, nemikonto.

20 Bonke abaIsraeli behla ba ya kuwo amaFilisti kwa ba ilowo wa e ya kulola impumlo nomese wegeja lake, nembazo yake, negeja lake,

21 (Kwa ku butuntu imilomo, nemimese, nezimfoloko,) nokubaza izinti zokuhlaba.

22 Kwa ti ngosuku lokulwa kwa ku nge ko inkemba nomkonto esandhlени somuntu owa e noSauli noJonatani; kodwa kwa ku kona kuSauli na kuJonatani indodana yake.

23 Ba puma abekamu lamaFilisti ba ya esangweni la seMikmashi.

#### ISAHLUKO 14.

**K**WA ti ngosuku olutile uJonatani indodana kaSauli wa ti kumfana o pete izikali zake, Wo za, a si wele si ye ekamu lamaFilisti, eli ngapesheya. Ka m tyela uyise.

2 uSauli wa e hlezi ekugcineni kweGibe pansi komrimonieMigroni; abantu aba be naye be nga ti amakulu a isitupa.

3 uAhiya, indodana ka Ahitubi umfo wabo ka Ikabodi, indodana ka Finehasi, indodana ka Eli, umpristi ka Jehova eShilo, embete iefodi. Abantu ba be ngazi ukuti, uJonatani wa e hambile.

4 Pakati kwamazibuko, uJonatani a funa ukuwela ngawo ukuya ekamu lamaFilisti, kwa ku kona itye elibukali ngalapa, netye elibukali ngalapa; igama lelinye la li nguBozeze negama lelinye la li nguSene.

5 Elinye itye la li insika ngasenyakato pambi kweMikmashi, elinye ngaseningizimu pambi kweGibe.

6 uJonatani wa ti kumfana o pete izikali zake, Wo za a si wele si ye ekamu la labo aba nga sokile; mhlaumbe uJehova u ya kusisebenzela; ngokuba a ku ko okumtiyayo uJehova ukuba a sindise ngabaningi noma ngaba incozana.

7 O pete izikali zake wa ti kuye, Enza konke oku senhliziyweni yako, hambake; bheka, ngi nawe njengenhliziyoyako.

8 uJonatani wa ti, Bheka, si ya kuwela, si ye kulabobantu, si zibonakalise kubo.

9 Uma be ti kitina, Yimani lapo ze si fike kini, kona si ya kuma endaweni yetu si nga nyukeli kubo.

10 Kodwa uma be ti, Kupukelani kitina, si ya kukupuka, ngokuba uJehova u ba nikele esandhleni setu; loku ku ya kuba isiboniso kitina.

11 Besuka bobabili ba zibonakalisa ekamu lamaFilisti; amaFilisti a ti, Nanga amaHeberu a puma emigodini a e eatye kuyo.

12 Abantu bekamu ba m pendula uJonatani nopete izikali zake, ba ti, Kupukelani kitina, si ya kunityela indaba. uJonatani wa ti kopete izikali zake, Kupuka emva kwami, ngokuba uJehova u ba nikele esandhleni sika Israeli.

13 uJonatani wa kupuka ngezandhla na ngezinyawo, nopete izikali zake wa bulala emva kwake.

14 Labo aba bulawa kuqala, a ba bulawa uJonatani nopete izikali zake, ba be ngabantu ku nga ti amashumi amabili, ibanga li nga ti inxenye yeso le ndima yesimu.

15 Kwa ku kona ukututumela ekamu, endhle na kubantu bonke, ba tutumela aba sekamu nabapangayo, kwa zamazama umhlaba, kwa ba ukututumela oku vela kuTixo.

16 Abalindi baka Sauli eGibea la kwa-Benjamini ba bona, bheka, isixuku sa hlakazeka ngalapa na ngalapa.

17 uSauli wa ti kubantu aba be naye, Balani, ni bone ukuba ubani omukileyo kitina. Ba bala, bheka uJonatani nopete izikali zake ba be nge ko.

18 uSauli wa ti kuAliya, Leta umpongolo ka Tixo; ngokuba umpongolo ka Tixo wa u kona ngalesosikati nabaka Israeli.

19 Kwa ti, uSauli e sa kuluma kumpristi, umsindo owa u sekamu lamaFilisti wanda: uSauli wa ti kumpristi, Sasa isandhla sako.

20 uSauli nabantu bonke aba be naye ba butana ba ya ekulweni; bheka ba tyayana ngenkemba, kwa ku kona isipitipiti esikulu.

21 AmaHeberu a be kona namaFilisti njengakuqala, a kupukela nawo

ekamu, nawo a pendukela kuba Israeli, a ba be noSauli noJonatani.

22 Nahantu bonke ba kwa Israeli aba be eatyile entabeni ya kwaEfraimi bezwa ku tiwa, amaFilisti a balekile, ba wa xaotyia ekulweni.

23 uJehova wa sindisa abakaIsraeli ngalolosuku. Ukulwa kwa dhlulela eBetaveni.

24 Abantu ba kwa Israeli ba hlupeka ngalolosuku. uSauli wa fungisa abantu, wa ti, Ma tukwe lowo o dhlayo ukudhla ku nga ka hlwi, ukuba ngi zipindisele eziteni zami. A kwa ba ko muntu owezwa ukudhla.

25 Izwe lonke leza ehlatini; kwa ku kona izinyosi pansi.

26 Abantu ba fika ehlatini, bheka, kwa vama izinyosi; kepa a kwa bi ko muntu owa beka isandhla emlonyeni, ngokuba abantu besaba isifungo.

27 Kodwa uJonatani a kezwanga lapo uyise wa fungisa abantu, wa selula isihloko senduku a i peteyo, wa si faka ezinyosini, wa beka isandhla emlonyeni, amehlo ake a qabuka.

28 Omunye kubantu wa kuluma wa ti, Uyihlo wa fungisa abantu, wa ti, Ma tukwe lowo odhlayo ukudhla namhla. Abantu ba pela 'mandhla.

29 uJonatani wa ti, Ubaba u katazile izwe, bhekanike, amehlo ami a se qabukile, ngokuba ngezwa incosana yezinyosi.

30 Kakulu uma abantu be be dhlile impango namhla yezita zabo aba i fumanayo! ngokuba manje nga e nga se bulewe kakulu amaFilisti na?

31 Ba bulala amaFilisti ngalolosuku ku suka eMikmashi ku ze ku fike Ajaloni. Abantu ba pela 'mandhla kakulu.

32 Abantu ba gijimela empangweni, ba tata izimvu, nezinkabi, namatole, ba zi hlaba emhlabatini; abantu ba zi dhla kanye negazi.

33 Ba bika kuSauli, ba ti, Bheka, abantu ba yona kuJehova ngokuzidhla kanye negazi. Wa ti, Nonile; gingqelani kimi namhla itye elikulu.

34 uSauli wa ti, Hlakazelani ebantwini, ni ti kubo, A ku be ilowo a lete inkabi yake kimi na lowo imvu yake, ni zi hlabe lapa, ni dhle, ni ngoni kuJehova ngokudhla kanye negazi. Abantu bonke ba leta ngalobobusuku, kwa ba ilowo inkabi yake e sesandhleni sake, ba zi hlaba kona.

35 uSauli wa makela uJehova ilati; leli la li ilati lokuqala a makela lona uJehova.

36 uSauli wa ti, A sehle si wa landele amaFilisti ngobusuku, si wa pange ku ze ku se, si nga shiyi noyedwa kuwo. Ba ti, Enza konke okuhle emehlweni ako. Umpristi wa ti, A si sondele lapa kuTixo.

37 uSauli wa buza kuTixo, wa ti, Ngehle ngi wa landele amaFilisti na? u ya kuwanikela esandhleni sika Israeli na? Ka m pendulanga ngalolosuku.

38 uSauli wa ti, Sondelani lapa nina nonke zikulu zabantu, ni qonde, ni bone ukuba si pi isono sa namhla.

39 Ngokuba, Jehova opilayo, o sindisa uIsraeli, noma si kuJonatani indodana yami, u ya kufa nokufa. Kepa a kwa ba ko noyedwa ebantwini owa m pendulayo.

40 Wa ti kuho bonke abaIsraeli, Buyelani nganhlaye nina, mina noJonatani si ya kubuyela nganhlaye. Abantu ba ti kuSauli, Enza okuhle emehlweni ako.

41 uSauli wa ti kuJehova uTixo ka Israeli, Nika inkato e iqiniso. Kwa dhlwa uJonatani noSauli; abantu ba dhla.

42 uSauli wa ti, Enzani inkato pakati kwami noJonatani indodana yami. Wa dhlwa uJonatani.

43 uSauli wa ti kuJonatani, Ngi tyele o kwenzileyo. Wa ti uJonatani ngezwa incozana yezinyosi ngesihloko senduku e be ngi i pete, bheka, se ngi ya kufa.

44 uSauli wa ti, uTixo a kenze njalo, nakakulu, u ya kufa impela, Jonatani.

45 Kepa abantu ba ti kuSauli, U ya kufa uJonatani o kwenzile lokukusindisa okukulu kwa Israeli na? Amanga; Jehova opilayo, a ku yi kuwa pansu nolodwa unwele lwekanda lake, ngokuba u sebenzile noTixo namhla. Kwa njalo abantu ba m kulala uJonatani, ka za fa.

46 uSauli wenyuka wa buya ekulandeleni amaFilisti; amaFilisti a ya endaweni yawo.

47 Kwa njalo uSauli wamkela umbuso pezu kweIsraeli, wa lwa nezita zonke zake inxa zonke, noMoabi, nabaka Amoni, noEdomi, namakosi a seZoba, namaFilisti; na sezindaweni zonke a bheka kuzo wa nqoba.

48 Wa duma ngobuqawe, wa nqoba uAmeleki, wa kulula abaIsraeli esandhleni sabapangayo.

49 Amadodana ka Sauli a e ngoJona-

tani, noIsui, noMelkishua; amagama amadodakazi ake amabili; igama lenkulula la li nguMerabi, igama lencane la li nguMikali.

50 Igama lomka Sauli la li ngu Ahinoami, indodakazi ka Ahimazi: igama lenduna yempi yake la li nguAbneri, indodana ka Neri uyisekazi ka Sauli.

51 uKishi uyise ka Sauli, noNeri uyise ka Abneri ba be ngamadodana ka Abieli.

52 Kwa ku kona ukulwa okunzima nanaFilisti izinsuku zonke zika Sauli; uSauli wa be e bona umuntu o namandhla no iqawe, a ba butele kuye.

### ISAHLUKO 15.

**U**SAMUELI wa ti kuSauli, uJehova wa ngi tumã ukuba ngi ku geobe u be inkosi yabantu bake, abaIsraeli; jalalake izwi lika Jehova.

2 U tyo uJehova wemikosi, u ti, Ngi qondile loko a kwenzayo uAmeleki kuIsraeli, ukuti wa m mela endhleleni ekukupukeni kwake Egipite.

3 A ku hamba, u nqobe uAmeleki, ni qede konke a nako, u nga m haukeli, u bulale abasilisa nabesifazana, izingane nezincelayo, izinkabi nezimvu; amakameli nezimbongolo.

4 uSauli wa mema abantu, wa ba bala eTelaimi, izinkulungwane ezimakulu amabili zaba hamba pansu, nezinkulungwane ezi ishumi zabantu ba kwa Juda.

5 uSauli wa ya emzini ka Ameleki, wa beka abalaleli esigodini.

6 uSauli wa ti kuwo amaKeni, Hamhani, ni muke, nehle ni suke kuwo amaAmeleki, funa ngi ni cite kanye nawo; ngokuba na ba pata kahle abaIsraeli bonke ekukupukeni kwabo Egipite. Kona amaKeni emuka kumaAmeleki.

7 uSauli wa nqoba amaAmeleki, ku suka eHavila, ku ze ku fike eShuri, eli bhikene neEgipite.

8 Wa bamba uAgagi inkosi yamaAmeleki epilile; bonke abantu wa ba qeda ngobukali benkemba.

9 Kepa uSauli nabantu ba yeka uAgagi, nezinhle izimvu nezinkabi, nezilungileyo namaundhlu, nako konke okuhle ba be nga vumi ukukuqeda impela; kepa izinto zonke ezimbi nezi namacala, ba zi qeda impela.

10 Izwi lika Jehova leza kuSamueli, li ti,

11 Se ngi zisola ngokuba ngi bekile uSauli a be inkosi; ngokuba u ngi hlu-bukile, ka wa gcinanga amazwi ami.

Wa dabuka uSamueli, wa kala kuJehova ubusuku bonke.

12 uSamueli wa vuka kusasa ukuya kumhlangabeza uSauli ekuseni; kwa bikwa ku Samueli, kwa tiwa, uSauli wa fika eKarmeli, bheka wa zimisela inkumbuzo, wesuka, wa dhlula, wehla wa ya eGilgali.

13 uSamueli wesuka wa ya kuSauli; uSauli wa ti kuye, Ma u busiswe uJehova; ngi li fezile izwi lika Jehova.

14 uSamueli wa ti, Ku ini lokukukala kwezimvu ezindhleleni zani, nokukala kwezinkabi e ngi ku zwayo?

15 uSauli wa ti, Ba buya nazo kuwo amaAmaleki; ngokuba abantu ba yeka oku izona ezinhle izimvu nezinkabi, ukuba ba m hlabele uJehova uTixo wako; ezinye si zi qedile impela.

16 uSamueli wa ti kuSauli, Yekake, ngi ku tyele loku a ku tyiloyo kimi uJehova ngalobubusuku. Wa ti kuye, Kulumake.

17 uSamueli wa ti, Lapo wa u senneane ngokuzibona kwako, a wenziwanga ini u be inhloko yezizwe za kwa Israeli; uJehova wa ku geoba u be inkosi ya kwa Israeli?

18 uJehova wa ku tuma endhleleni, wa ti, Hamba u ye u qede impela izoni amaAmaleki, u lwe nabo ba ze ba pele.

19 A u lalelanga ngani izwi lika Jehova? kepa wa gjimela empangweni, wenza okubi emehlweni ka Jehova.

20 uSauli, wa ti kuSamueli, Ngi li lalele izwi lika Jehova, ngi haubile nge-nhlelela a ngi tuma ngayo uJehova, ngi m letile uAgagi inkosi yamaAmaleki, nga qeda amaAmaleki impela.

21 Abantu ba tabata impango izimvu nezinkabi, nempahla oku i yona ya yi yinhle e nga ba i qeda ukuba ba m hlabele uJehova uTixo wako eGilgali.

22 uSamueli wa ti, Iminikelo nemi-hlatyelo i ya m tokozisa ini uJehova njengokuba ku lalelwe izwi lika Jehova? Bheka, ukulalela kuhle ku nomhlatyelo; ukuqapela kuhle ku namanoni ezinqama.

23 Ngokuba ukutakata ku isono soku-hlubuka, ukukonza imifanekiso nezitombe ku ubuula. Ngokuba u li delile izwi lika Jehova, naye u ku delile ukuba u nga bi inkosi.

24 uSauli wa ti, kuSamueli, Ngonile, ngokuba ngi dhlulile umteto namazwi ako ngokuba ngesaba abantu, nga lalela izwi labo.

25 Manjeke sale u su ngi tetelela isono sami, u buye nami, ukuba ngi m dumise uJehova.

26 uSamueli wa ti kuSauli, A ngi yi kubuya nawe; ngokuba u delile izwi lika Jehova; uJehova u ku delile ukuba u nga bi inkosi ya kwa Israeli.

27 uSamueli e sa penduka ukuba a hambe, wa bamba umpeto wengubo yake, ya dabuka.

28 uSamueli wa ti kuye, uJehova u kwamukile umbuso wa kwa Israeli namhla, u u nikile umhlobo wako olungileyo kuuawe.

29 Futi Itemba lika Israeli a li yi kuguquka; ngokuba a si ye umuntu ukuba a nga guquka.

30 Wa ti, Ngonile; noko ngi tuse manje pambi kwamalunga abantu bami, na pambi kuka Israeli, u buye nami, ngi dumise uJehova uTixo wako.

31 uSamueli wa buya wa m landela uSauli; uSauli wa m dumisa uJehova.

32 uSauli wa ti, Letani kimi uAgagi inkosi yamaAmaleki. uAgagi wa fika kuye e sasile. uAgagi wa ti, Iimpela ukubaba ku dhlulile.

33 uSamueli wa ti, Njengaloku inke-mba yako i bamukile abafazi abantwana, unyoko u ya kwamukwa abantwana kunabafazi. uSamueli wa m hlahlala uAgagi pambi kuka Jehova eGilgali.

34 uSamueli wesuka wa ya eRama: uSauli wa kupuka wa ya ekaya eGibea lika eGilgali.

35 uSamueli ka pindanga a be sa m bona uSauli wa za wa fa; kepa uSamueli wa m kalela uSauli. uJehova wa zisola ngokuba wa e m enzile uSauli a be inkosi ya kwa Israeli.

#### ISAHLUKO 16.

**U**JEHOVA wa ti kuSamueli, U ya kumkalela uSauli ku ze ku be nini, loku ngi m delile a nga bi inkosi ya kwa Israeli? Gewalisa upondo lwako ngamafuta, u hambe, ngi ya kukutima ku-Jese wa seBetlehem, ngokuba ngi zibonele inkosi emadodaneni ake.

2 uSamueli wa ti, Ngi hambe kanjani? Uma uSauli e ku zwa, u ya kungibulala. uJehova wa ti, Hamba netokazi, u ti, Ngi ze ukumhlabelela uJehova.

3 M bize uJese eze ekuhlhatyelweni, ngi ya kukwazisa o ya kukwenza; wo ngi gobela lowo e ngi ya kumutyoko kuwe.

4 uSamueli wenza loko a ku tyoyo



uJehova, wa ya eBetlehema. Amalunga omuzi a m hlangebeza e tutumela, a ti, U ze ngokuhle na?

5 Wa ti, Ngokuhle. Ngi ze ukumhlabela uJehova; zingcweliseni, ni ze nami ekuhlatelyweni, wa ba ngewelisa oJese namadodana ake, wa ba biza ukuba beze ekuhlatelyweni.

6 Kwa ti, ekufikeni kwabo, wa bheka uEliabi, wa ti Impela, ogeotyweyo kaJehova u panibi kwake.

7 uJehova wa ti kuSamueli, U nga bheki ukuma kwake nobude bomzimba wake, ngokuba ngi m alile; ngokuba uJehova a bhekisi okomuntu; umuntu u bheka amehlo, kodwa uJehova u bheka inhliziyu.

8 uJese wa biza uAbinadabi, wa m dhlulisa pambi kuka Samueli. Wa ti, uJehova ka m ketanga na lona.

9 uJese wa dhlulisa uShama. Wa ti, uJehova ka m ketanga na lo.

10 uJese wa dhlulisa amadodana ake a isikombisa pambi kuka Samueli. uSamueli wa ti kuJese, uJehova ka wa ketanga lawa.

11 uSamueli wa ti kuJese, Ba pelele abantwana na? Wa ti, ku sa sele omnenyane; bheka, u ya lusa izimvu. uSamueli wa ti kuJese, Tuma u m tate; ngokuba a si yi kuhlala e nga ka fiki lapa.

12 Wa tuma wa m leta. Wa e bomvu, e namihlo amahle, wa e bukeka. uJehova wa ti, Suka u m geobe; ngokuba lo u uye.

13 uSamueli wa tata npondo lwamafuta wa m geoba pakati kwabafo wabo. Umoya kaTixo wa hlala kuDavida njalonzalo ku suka ku lolosuku. uSamueli wesuka wa ya eRama.

14 Umoya kaJehova wemuka kuSauli, umoya omubi u vela kuJehova wa m zuma.

15 Izineeku zika Sauli za ti kuye, Bhekake umoya omubi ka Tixo u ya kuzuma.

16 Ma i tyo inkosi yetu ukuba izinceku ezi pambi kwako zi fube umuntu owaziyo ukubeta ngubu; ku za kuti, nxa wehlelwe umoya omubi ka Tixo, u ya kubeta ngesandhla sake, ko ba kuhle kuwe.

17 uSauli wa ti ezincekwini zake, Ngi boneleni umuntu obetayo kahle, ni m lete kimi.

18 Ya pendula enye insizwa ya ti, Bheka, ngi bonile indodana kaJese, wa

seBetlehema, e yaziyo ukubeta, iqawe eli namandhla, umuntu wempi, ohlakanipileyo ozindabeni, umuntu obukekayo, uJehova u naye.

19 uSauli wa tuma izigijimi kuJese, wa ti, Tuma kimi uDavida indodana yako, e sezimvwinu.

20 uJese wa tata imbongolo i twele isinkwa, nemvaba yewaini, nezinyane lembuzi, wa ku yisa kuSauli ngesandhla sika Davida indodana yake.

21 uDavida weza kuSauli, wema pambi kwake, wa m tanda kakulu, wa ba umpati wezikali zake.

22 uSauli wa tuma kuJese, wa ti, uDavida a keme pambi kwami, ngokuba u fumene umusa emehlweni ami.

23 Kwa ti, nxa uSauli ehlelwe umoya omubi ka Tixo, uDavida wa tata ugubu, wa beta ngesandhla, uSauli wa piliswa, wa lunga, umoya omubi wemuka kuye.

#### ISAHLUKO 17.

**A**MAFILISTI a buta impi yawo ukuba a lwe, a butana eShoko la kwa Juda, a misa pakati kweShoko neAzeka eEfesdamimi.

2 uSauli naba kwa Israeli ba butana, bemisa esihlanjeni sa seEla, ba hlela impi ukuba ba lwe namaFilisti.

3 AmaFilisti a e mi entabeni nganxanye, naba Israeli ba be mi entabeni nganxanye, isigodi si pakati kwabo.

4 Kwa puma iqawe ekamu lamaFilisti, igama lalo la li nguGolia, wa seGati, ubude bake ba bu ngamakubiti a isitupa nesandhla.

5 Wa e nesigqoko setusi ekanda, wa faka ibantyi lensinubi; isisindo sebantyi sa si ngamashekeleli etusi a izinkulungwane ezi isihlanu.

6 Wa faka amabulukwe etusi emilenzeni, nesinqindi setusi pakati kwamahlombe.

7 Uti lomkonto wake lwa lu ngangoti lwabaluki; isihloko somkonto wake sa si ngamashekeleli amakulu a isitupa ensimbi; umuntu o pete isihlangu wa hamba pambi kwake.

8 Wema wa memezisa empini ya kwa Israeli, wa ti, kuyo, Ni pumelani ni hlele impi? a ngi siye unFilisti, nina ni izineeku zika Sauli na? ziketeleni umuntu ehle eze kimi.

9 Uma e namandhla okulwa nami nokungibulala, si ya kuba izigqili zenu; kepa uma ngi m ahlula, ngi m bulale, ni ya kuba izigqili zetu, ni si konze.

10 UmFilisti, wa ti, Ngi dhlelelela impi ya kwaIsraeli nambla; ngi nikeni umuntu, ngi lwe naye.

11 uSauli nabo bonke aba kwa Israeli bezwa lawomazwi omFilisti, behlelewa uvalo, besaba kakulu.

12 uDavida wa e indodana ya lomEfrati wa seBetlehem-juda, igama lake uJese; wa e namadodana ashiyagalombili; lowomuntu, ezinsukwini zika Sauli, wa e mdala kubantu.

13 Amadodana amatatu ka Jese amadala a m landela uSauli empini; amagana amadodana ake amatatu a e yile empini uEliabi owamazibulo, eyesibili ya i uAbinadabi, neyesitatu ya i uShama.

14 uDavida kwa ku uyena omncinyane; abakulu abatatu ba m landela uSauli.

15 uDavida wa buya kuSauli wa ya kwalusa izimvu zika yise eBetlehema.

16 UmFilisti wa sondela kusasa na kusihlwa e ma kwa ba izinsuku ezimashumi amane.

17 uJese wa ti kuDavida indodana yake, Ba patele abafu wenu iefa la lenhlosa, na lezizinkwa ezi ishumi, u tye tye u ye ekamu labafu wenu.

18 Na lawamaakekebana a ishumi amasi wa patela induna yenkulungwane, u beke anehlo kubafu wenu ukuba ba hlezi kahle, u buye nezwi labo.

19 uSauli nabantu bonke ba kwaIsraeli ba be sesihlanjeni sa seEla, be lwa namaFilisti.

20 uDavida wa vuka ekuseni, wa shiya izimvu nomalusi, wa tabata wa hamba, njengaloku a be m yalile uJese: wa fika enqabeni yezinqola, impi i sa puna ukuya kuhlelwa, ba hlaba ihubo lempi.

21 AbaIsraeli namaFilisti ba hlela impi, ba bhokana.

22 uDavida wetulela impahla yake esandhlani somlindi wempahla, wa gijimela empini, wa fika wa buza ukuba ba hlezi kahle abafu wabo.

23 E sa kuluma nabo, bhoka, kwa kupuka iqawe, igama lalo la li uGolia umFilisti wa seGati, e puma empini yamaFilisti, wa kuluma lawomazwi, wa wezwa uDavida.

24 Abantu bonke ba kwa Israeli, se be m bonile lomuntu, ba m balekela, besaba kakulu.

25 Aba kwa Israeli ba ti, Ni bonile lomuntu o kupukileyo na? ngokuba u kupukile ukuba a dhlelelele abaIsraeli; ku za kuti, lowomuntu o m bulalayo,

inkosi i ya kumeebisa ngomeebo omkulu, i m nike indodakazi yayo, i yenze indhlu ka yise i be e kululekile kwa Israeli.

26 uDavida wa kuluma kubantu abe be mi naye, wa ti, Ku ya kwenziwa ntoni ku lomuntu o za kubulala lomFilisti, a suse ihlazo kwa Israeli? ngokuba ubani lomFilisti o nga sokile ukuba a dhlelelele impi ka Tixo opilayo.

27 Abantu ba m pendula nga loko ba ti, Ku ya kwenziwa njalo ku lowomuntu a ya kumbulala.

28 uEliabi umfo wabo omkulu wezwa e sa kuluma kubantu, uEliabi wa m tutelela uDavida, wa ti, Wehleleni na? Wa zi shiya nobani lezizimvana ezingengakanani ehlane na? Ngi ya kwazi ukuzidhla kwako nokubi kwenhliziyo yako; ngokuba wehlele ukuba u bone impi.

29 uDavida wa ti, Se ngenzeni? a silo izwi nje?

30 Wa m fulatela, wa bhoka omunye, wa kuluma lona lelozwi, abantu ba buya ba m pendula njenga kuqala.

31 Kwezwakala amazwi a be wa kulumile uDavida; ba wa landa pambi kuka Sauli: wa m biza.

32 uDavida wa ti kuSauli, Ma ku ngahluleki inhliziyoyomuntu ngaye; inee ku yako i ya kuya i lwe na lomFilisti.

33 uSauli wa ti kuDavida, A u namundhla okuya ku lomFilisti, u lwe naye; u umfana wena, yena u ngumuntu wempi iloku wa zalwa.

34 uDavida wa ti kuSauli, Inee ku yako ya i zalusa izimvu zika yise, kwa fika ingonyama nebere, la tabata imvu emhlambini;

35 Nga li landela, nga lahlula, nga i kipa emlonyeni walo; lapo la ngi vukela, nga li bambisa ngompimbo, nga lahlula, nga li bulala.

36 Inee ku yako ya bulala kokubili ingonyama nebere, na lomFilisti o nga sokile u ya kuba njengenye yazo, loku u dhlelelele impi kaTixo opilayo.

37 Wa ti uDavida, uJehova owa ngi kipa esandhlani seingonyama na sesandhlani sebere, u ya kungikipa esandhlani somFilisti. uSauli wa ti kuDavida, Hamba, uJehova ka be nawe.

38 uSauli wa m ambatisa uDavida izivato zake, wa beka isigqoko setusi ekan lake, wa m ambatisa ibantyi lensimbi.

39 uDavida wa binqa inkumba yake

ezivatweni zake, wa zama ukuhamba, ngokuba wa e nga ka lingani. uDavida wa ti kuSauli, Ngi nge hambe na lezi, ngokuba a zi ngi lingani. uDavida wa zi kumula.

40 Wa tabata induku yake ngesandhla, wa ziketela amatye amalilanu a butyelezi emfuleni, wa wa faka esakeni labalusi a e nalo, (ukuti esikwameni;) ilengiso lake la li sesandhlani sake; wa sondela kumFilisti.

41 UmFilisti wa hamba wa ya wa sondela kuDavida, umuntu opete isihlangu wa hamba pambi kwake.

42 UmFilisti wa bheka, wa bona uDavida, wa m eisa, ngokuba wa e umfana, ebomvu, e mühle.

43 UmFilisti wa ti kuDavida, Ngiinja ini ukuba u ze u ngi patele izinduku? umFilisti wa m tuka uDavida ngotixo baka.

44 UmFilisti wa ti kuDavida, Woza kimi, ngi nike izinyoni zezulu nezilwane za sendhle inyama yako.

45 uDavida wa ti kumFilisti, Wena u ze kimi nekemba, nomkonto, nesinqindi, kepa mina ngi ze kuwe ngegama lika Jehova wemikosi, uTixo wempi ka Israeli, o m dhileseleyo.

46 Namhla uJehova u ya kukunikela esandhlani sami, ngi ku bulale, ngi nqume ikanda lako, ngi nike namhla izinyoni zezulu nezilwane zomhlaba izidumbu zempi yamaFilisti, ukuba izwe lonke lazi ukuti u kona uTixo kwa Israeli.

47 Lababantu bonke ba ya kwazi ukuti uJehova ka sindisi ngenkemba na ngomkonto; ngokuba ukulwa ku okuka Jehova; u ya kuninika esandhlani setu.

48 Kwa ti, umFilisti wesuka wa ya wa sondela ukuhlangana noDavida, naye uDavida wa tyetya wa gijimela ngasempini ukuhlangana nomFilisti.

49 uDavida wa faka isandhla sake esikwameni, wa tata itye, wa li ponsa, wa m tyaya umFilisti ebunzini, itye la tyona ebunzini, wa wa pansa ngobuso.

50 uDavida wa m ahlula umFilisti ngelengiso na ngetye, wa m tyaya umFilisti wa m bulala; ya i nge ko inkemba esandhlani sika Davida.

51 uDavida wa gijima, wema pezu komFilisti wa tata inkemba yake, wa i kipa esikwameni sayo, wa m bulala, wa nquma ikanda lake ngayo, amaFilisti a bona ukuti iqawe lawo li file, a baleka.

52 Besuka abantu ba kwa Israeli naba kwa Juda, ba halalisa, ba wa xotya amaFilisti ngendhlela ya seSharaimi a za a fika eGati na seEkroni. Abalimeleyo bamaFilisti ba wa endheleni ya seSharaimi kwa za kwa fika eGati na seEkroni.

53 Abaka Israeli ba buya ekuxotyeni amaFilisti, ba panga amakanu awo.

54 uDavida wa tata ikanda lomFilisti, wa li yisa eJerusalemia; wa beka izikalizake kutente wake.

55 uSauli, lapo se e m bonile uDavida e ya kuhlanguana nomFilisti, wa ti kuAbneri, induna yempi yake, Indodana kabani lensizwa, Abneri? uAbneri wa ti Ukupila kompefumlo wako, nkosi, a ngazi.

56 Inkosi ya ti, Buza wena ukuba indodana kabani lensizwa.

57 uDavida e sa buya ekubulaleni umFilisti, uAbneri wa m tata wa m yisa pambi kuka Sauli, ikanda lomFilisti li sesandhlani sake.

58 uSauli wa ti kuye, U indodana kabani, nsizwa? uDavida wa ti, Ngi indodana ka Jese wa seBetlehema.

#### ISAHLUKO 18.

**K**WA ti, e se qedile ukukuluma noSauli, inhliziyo ka Jonatani ya bambelela enhliziyweni ka Davida, uJonatani wa m tanda njengokuzitanda kwake.

2 uSauli wa m tata ngololosuku, wa e nga vumi ukuba a buyele ekaya lika yise.

3 uJonatani noDavida benza isivumelwano, ngokuba wa m tanda njengokuzitanda kwake.

4 uJonatani wa kumula ingubo e ya i kuye, wa i nika uDavida, nezivato zake, nenkemba yake, nomcibityelo wake, nebande lake.

5 uDavida wa pumake, wa e nenhlanhla kuko konke uSauli a m tuma kuko. uSauli wa m beka pezu kwamabuto, wa e lungile emehlweni abantu bonke, nasemehlweni ezinceku zika Sauli.

6 Kwa ti ekufikeni kwabo, uDavida e se buyile ekubulaleni umFilisti, kwa puma abesifazana emizini yonke ya kwa Israeli, ngokuhlabelela na ngokusina, ukuba ba m hlangabeze uSauli inkosi, ngezingubu, na ngokutokoza, na ngemityingo.

7 Abesifazana ba pendulana, be sa sina, ba ti, uSauli u bulele izinkulungwa-

ne zake, uDavida izinkulungwane zake ezi ishumi.

8 uSauli wa tukutela kakulu, lelozwi la libi emehlweni ake, wa ti, Ba m nikile uDavida izinkulungwane ezi ishumi, kepa ba ngi nikile izinkulungwane zodwa; se ku m salele umbuso wodwa.

9 uSauli wa m bheka uDavida ngalokusuku na njalonjalo.

10 Kwa ti ngangomso umoya omubi ka Tixo wa m ehlela uSauli, wa hlanya endhlini: uDavida wa e beta ugubu ngesandhla njengezinye izikati, umkonto wa u sesandhleni sika Sauli.

11 uSauli wa linganisa ngomkonto, wa ti, Ngi ya kumbetela uDavida odongeni. Kepa uDavida wa pepa ebusweni bake kabili.

12 uSauli wa m esaba uDavida, ngokuba uJehova wa e naye, kepa wa e mukile kuSauli.

13 uSauli wa m susa kuye, wa m misa a be induna yenkulungwane; wa puma wa ngena pambi kwabantu.

14 uDavida wa e nenhlanhla ekuhambeni konke kwake, uJehova wa e naye.

15 uSauli wa bona ukuti wa e nenhlanhla enkulu, wa m esaba.

16 Kepa bonke aba kwa Israeli naba kwa Juda ba m tanda uDavida, ngokuba wa puma wa ngena pambi kwabantu.

17 uSauli wa ti kuDavida, Nansi intombi yami enkulu, uMerabi, ngi ya kukunika yona i be umkako: kupela u be iqawe lami, u lwe ukulwa kuka Jehova. uSauli wa ti, Isandhla sami ma si nga bi pezu kwake, kepa isandhla samaFilisti a si be pezu kwake.

18 uDavida wa ti kuSauli, Mina ngi ngubani na? ku ini ukupila kwami, indhlu ka baba kwa Israeli, ukuba ngi be umkwenyana wenkosi?

19 Kepa kwa ti ngesikati uMerabi, intombi ka Sauli, a be za kunikwa ngaso kuDavida, wa nikwa kuAdrieli, wa seMahola, a be umkake.

20 uMikali, intombi ka Sauli, wa m tanda uDavida; kwa bikwa kuSauli; kwa ku kuhle kuye.

21 uSauli wa ti, Ngi ya kunika yena, ukuba a m cupe, isandhla samaFilisti si be pezu kwake. uSauli wa ti kuDavida ngokwesibili, U ya kuba umkwenyana wami namhla.

22 uSauli wa yala izinceku zake, wa ti, Kulumani noDavida ngasese, ni ti, Bheka, inkosi yenamile ngawe, nezince-

ku zonke zayo zi ya kutanda; ngakoke yiba umkwenyana wenkosi.

23 Izinceku zika Sauli za kuluma lawonazwi ezindhleleni zika Davida. Wa ti uDavida, ku lula ini emehlweni enu ukuba ngi be umkwenyana wenkosi, loku ngi umuntu ompofu noweiswayo?

24 Izinceku zika Sauli za m tyela, za ti, I lawamazwi a wa tyoyo uDavida.

25 uSauli wa ti, A no tyo kuDavida, ni ti, Inkosi ka i tandi ukulobolisa, i funa amajwabu amaFilisti a ikulu, ukuba ku pindiswe eziteni zenkosi. Kepa uSauli wa ti u za kuwisa uDavida ngesandhla samaFilisti.

26 Izinceku zake za m tyela uDavida lawamazwi; kwa ku kuhle kuDavida ukuba a be umkwenyana wenkosi; kepa izinsuku za zi nga ka peleli.

27 uDavida wesuka wa ya, yena nabantu bake, wa bulala amaFilisti amakulu amabili, uDavida wa leta amajwabu awo, ba wa yisa enkosini e pelele, ukuba a be umkwenyana wenkosi. uSauli wa m nika uMikali, intombi yake, a be umkake.

28 uSauli wa bona wazi ukuti uJehova wa e noDavida; uMikali, intombi ka Sauli wa m tanda.

29 uSauli wa m esaba uDavida kakulu; uSauli wa e isita sika Davida njalonjalo.

30 Kwa puma izikulu zamaFilisti. Kwa ti, nxa zi pumile, uDavida wa e nenhlanhla ku nazo zonke izinceku zika Sauli, la za la duma kakulu igama lake.

#### ISAHLUKO 19.

**U**SAULI wa kuluma kuJonatani indodana yake, na kuzo zonke izinceku zake, ngokumbulala uDavida. Kepa uJonatani indodani ka Sauli wa m tanda uDavida kakulu.

2 uJonatani wa m tyela uDavida wa ti, uSauli, ubaba, u funa ukukubulala; wo xwaya kusasa, u hlale e sita, u eatye:

3 Ngi ya kupuma, ngi me nga kubaba endhle, lapo u kona wena, ngi ya kukuluma kubaba ngawe; ngi ya kubona ukuba u tini, ngi ku tyele.

4 Jonatani wa kuluma okuhle ngoDavida kuSauli uyise, wa ti kuye, Inkosi a i ngoni kuyo, ineeku yayo, kuDavida; ngokuba akonanga kuwe; misebenzi yake kuwe i lungile kakulu.

5 Wa beka ukupila kwake esandhleni sake, wa bulala umFilisti, uJehova wa benzela aba Israeli bonke ukusindiswa

okukulu; wena wa ku bona, wa tokoza; u ya konelani egazini eli nge nacala, u m bulale uDavida ngeze?

6 uSauli wa lalala izwi lika Jonatani, uSauli wa funga, wa ti, Jehova opilayo ka yi kubulawa.

7 uJonatani wa m biza uDavida; uJonatani wa m tyela konke loko. uJonatani wa m yisa uDavida kuSauli, wa e kona pambi kwake njenga kuqala.

8 Kwa pinda kwaliwa: uDavida wa puma wa lwa naniaFilisti, wa wa bulala kakulu, a m balekela.

9 Umoya omubi ka Jehova wa m ehlela uSauli; wa e hlezi endhlini yake, umkonto wake wa u sesandhlani sake; uDavida wa e beta ngesandhla.

10 uSauli wa funa ukumbetela uDavida odongeni ngomkonto, kepa weqa wa puma pambi kuka Sauli, wa gwaza ngomkonto odohngeni, uDavida wa baleka, wa sinda ngalobobusuku.

11 uSauli wa tuma izigijimi ukuya endhlani ka Davida, zi m linde, zi m bulale ekuseni, uMikali umka Davida, wa m tyela wa ti, Uma u nga zisindisi ngalobobusuku, ngomso u ya kubulawa.

12 uMikali wa m ehliisa uDavida esibukweni, wa hamba, wa baleka, wa sinda.

13 uMikali wa tata iterafimi, wa m beka embedeni, wa beka isicamelo soboya bezimbuzi ekanda lake, wa m embesa ngendwangu.

14 Lapo uSauli se tumile izigijimi ukumtabata uDavida, wa ti, U ya fa.

15 uSauli wa tuma izigijimi ukumbona uDavida, e ti, Kupukani naye ni m twele ngombede, ukuba ngi m bulale.

16 Izigijimi za ngena, bheka, iterafimi i sembedeni nesticamelo soboya bezimbuzi si sekanda lake.

17 uSauli wa ti kuMikali, U ngi kohliselani kangaka, u dedele isita sami si sinde? uMikali wa ti kuSauli, Wa ti kimi, Ng i dedele; ngo ku bulalalani?

18 uDavida wa baleka wa sinda, wa ya kuSamueli eRama, wa m tyela konke uSauli a be kwenzile kuye. Yena noSamueli ba ya ba hlala eNaioti.

19 Kwa bikwa kuSauli, kwa tiwa, uDavida u seNaioti eRama.

20 uSauli wa tuma izigijimi zokumtabata uDavida; kwa ti, se zi bonile ibandhla labaprofeti be profeta, noSamueli e mi e misiwe pezu kwabo, umoya ka Tixo wa zehlala izigijimi zika Sauli, nazo za profeta.

21 Kwa bikwa kuSauli, wa tuma ezinye izigijimi, nazo za profeta. uSauli wa pinda wa tuma izigijimi ngokwesitatu, nazo za profeta.

22 Naye wa ya eRama, wa fika emtonjeni onikulu o seSeku. Wa buza wa ti, Bapi oSamueli noDavida? Kwa tiwa, Nampaya eNaioti nga seRama.

23 Wa ya kona eNaioti ngaseRama; umoya ka Tixo wa m ehlela naye, wa hamba wa profeta wa za wa fika eNaioti ngaseRama.

24 Naye wa kumula izingubo zake, wa profeta naye, pambi kuka Samueli, wa lala pans i e bunqunu ngalolosuku lonke na ngalobobusuku bonke. Ngako kwa tiwa, Naye uSauli u kona kuba-profeti na.

### ISAHLUKO 20.

U DAVIDA wa baleka eNaioti ngaseRama, wa ya pambi kuka Jonatani, wa ti, Ngenzeni na? Ini icala lami, ini isono sami pambi kuka yihlo ukuba a fune ukungibulala.

2 Wa ti kuye, Qa, a u yi kufa: bheka, ubaba ka yi kwenza uto nolukulu noluncinyane e nga ngi tyelile; po, ubaba u ya kufihlelani loku kimi? a ku njalo.

3 uDavida wa buya wa funga, wa ti, Uyihlo u yazi impela ukuti, ngi fumene umusa emehlweni ako, u ti, uJonatani ma ngazi loku funa a dabuke. Kepa, Jehova opilayo, mpefumlo wako opilayo, ku kona unyatelo pakati kwami nokufa kupela.

4 uJonatani wa ti kuDavida, Loko e ku tandayo inhliziyo yako ngi ya kukwenza kona.

5 uDavida wa ti kuJonatani, Bheka, i ya kutwasa ngomso, nga ngi hlala nokuhlala nenkosi ekudhlani; kepa ngi dedele ngi catye endhle ku ze ku hlwe ngosuku lobutatu.

6 Nxa uyihlo e bona ngi nge ko, wo ti, uDavida wa cela kimi ukuba a gijimele eBethelchama, umuzi wa kubo, ngokuba ku kona lapo umhlatyelo weminyaka ngeminyaka o wenzelwa bonke aba kubo.

7 Uma e tyo e ti, Ku lungile; kona inceku yako i ya kuba nokutula: kepa uma e tukutela, yazi ukuti u nxanelo okubi.

8 Wo pata kahle inceku yako, ngokuba u ngenisile inceku yako esivumelwaneni sika Jehova kanye nawe: kepa uma ku kona okubi kimi, ngi bulale,

wena; ngokuba u ya kungiyiselani kuyihlo.

9 uJonatani wa ti, Qa; ngokuba uma ngazi ukuti, ubaba u nxanele ukuba wehlelwe okubi, be ngi nga yi kutyela na?

10 uDavida wa ti kuJonatani, Ubani o ya kungityela? u tini uma uyihlo e ku pendula kabi?

11 uJonatani wa ti kuDavida, Woza si ye endhle, Ba puma bobabili ba ya endhle.

12 uJonatani wa ti kuDavida, Jehova, Tixo kaIsraeli, nxa ngi m hlolile ubaba ngalesosikati ngomuso, mhlaumbe ngomhlomunye, bheka, uma ku kuhle kuDavida, ngi nga tumi kuwe ngi kutyela,

13 uJehova a kenze njalo kuJonatani na kakulu! Kepa uma ku kuhle kubaba ukuba a kwenzele okubi, ngi ya ku kutyela, ngi ku dedele ukuba u hambe kahle; uJehova ka be nawe njengaloku wa e nobaba.

14 Sengati nxa ngi se kona, wo ngi pata ngomusa ka Jehova; nxa ngi fa,

15 U nga nqumi umusa wako kwaba kiti njalonzalo, ai, nanxa uJehova e nqumile izita zika Davida zonke ebunweni bomhlaba.

16 uJonatani wenza isivumelwano nendhlu ka Davida; uJehova wa ku biza esandhleni sezita zika Davida.

17 uJonatani wa pinda wa m fungisa uDavida ngokumtanda kwake, ngokuba wa m tanda njengokuzitanda.

18 uJonatani wa ti kuye, Ngomso i ya kutwasa, u ya kufunyaniswa u ngeko, ngokuba isihlalo sako si ya kuba ize.

19 Ngosuku lwesitatu yehla masinyane, u ye kuleyondawo owa catya kuyo ngomhla womsebenzi, u hlale ngasetyeni la seEzeli.

20 Ngi ya kucibityela imicibityelo emitatu ngasecaleni kwalo, kungati ngi cibityela enwadini.

21 Bheka, ngi ya kutuma umfana, ngi ti, Hamba u fune imicibityelo. Uma ngi ti kumfana, Nanso, imicibityelo nganeno kwako, i tabate, woza kimi, ngokuba ku kuhle kuwe, a ku ko udaba, Jehova opilayo.

22 Kodwa uma ngi tyo ngi ti, Nanso imicibityelo ngalapaya kwako, wo hamba, ngokuba uJehova u ku dedele.

23 Ngaleyondaba esa kuluma ngayo miua nawe, uJehova ka be pakati kwamina nawe ujalonzalo.

24 uDavida wa catya endhle; se i twasile inyanga, inkosi ya hlala ekudhleni ukuba i dhle.

25 Inkosi ya hlala esihlalweni sayo njenga semisukwini, esihlalweni sa sodongeni; wesuka uJonatani, uAbneri wa hlala ngasecaleni kuka Sauli, indawo ka Davida ya funyanwa ize.

26 uSauli a kulumanga luto ngalolosuku, ngokuba wa ti wehlelwe ingozi, ka hlambululekile, impela ka hlambululekile.

27 Kwa ti ngangomso, ngolwesibili lwenyanga indawo ka Davida ya funyanwa ize; uSauli wa ti kuJonatani indodana yake, Indodana ka Jese a i fikanga ngani ekudhleni na izolo na namhla?

28 uJonatani wa m pendula uSauli wa ti, uDavida wa cela nokucela kimi ukuba a ye eBethlehema;

29 Wa ti, Ngi dedele ngokuba abakiti ba nomhlangano emzini, umfo wetu u ngi yalile; manjeke uma ngi fumene umusa emehlweni ako, ma ngi suke ngi ye ngi bone umfo wetu. Ngako keza ngi ekudhleni kwenkosi.

30 Kona uSauli wa m tukutelela uJonatani, wa ti kuye, Wena ndodana yomfazi omubi ohlubukileyo, a ngazi ini ukuti u hlangene nendodana ka Jese ku be'ihlazo lako nehlazo lobunqunu buka nyoko?

31 Ngokuba nxa indodana ka Jese i pilayo emhlabeni a u yi kuqiniswa wena nombuso wako. Manjeke tuma u m lete kimi, ngokuba u ya kufa.

32 uJonatani wa pendula uSauli uyise wa ti kuye, U ya kubulawelani? wenzeni;

33 uSauli wa m gema ngomkonto ukuba a m gwaze; wazi uJonatani ukuti uyise wa e nxanele ukubulala uDavida.

34 uJonatani wesuka etebuleni e tukutele kakulu, ka dhlanga kudhla ngosuku lwesibili lwenyanga, e m dabukela uDavida, ngokuba uyise wa m eisa.

35 Kwa ti, se ku sile, uJonatani wa puma wa ya endhle ngesikati esimisiweyo kanye noDavida, umfana omniinyane e naye.

36 Wa ti kumfana wake, Gijima u fune imicibityelo e ngi i cibityeleyo. Umfana e sa gjima, wa cibityela umcibityelo ngapambili kwake.

37 Umfana e se fikile endaweni yomcibityelo, uJonatani a be u cibityele, uJonatani wa memeza emva komfa-

na wa ti, Umcebityelo a u ngapambili kwako na?

38 uJonatani wa memeza emva komfana, wa ti, Tyetya, kauleza, u ngemi. Umfana ka Jonatani wa buta imicibityelo, weza enkosini yake.

39 Kepa umfana wa e ngazi luto; uJonatani noDavida ba be yazi leyondaba.

40 uJonatani wa nika umfana wake izikali zake, wa ti kuye, Hamba nazo u ye emzini.

41 Umfana e se mukile, uDavida wesuka ngaseningizimu, wa wa pansi ngobuso bake, wa kotama katatu; bangana, ba kalelana, wa za wa kala kakulu uDavida.

42 uJonatani wa ti kuDavida, Hamba kahle, loku si fungile sobabili igama lika Jehova si ti, uJehova ka be pakati kwami nawe, na pakati kwenzalo yami nenzalo yako njalonzalo. Wesuka wa hamba; uJonatani wa ya emzini.

ISAHLUKO 21.

UDAVIDA wa ya eNobi kuAhimeleki umpristi. uAhimeleki wa ya kumhlangabeza uDavida e novalo, wa ti kuye, U wedwa ngami, e nge ko umuntu nawe?

2 uDavida wa ti kuAhimeleki umpristi, Inkosi i ngi yalile ngendaba, ya ti kimi, Ma ku ngazi muntu ngalendaba e ngi ku tuma ngayo, ne ngi ku yalile ngayo; izinsizwa ngi zi bonisile indawo etile.

3 Ngakoke ku intoni pansi kwesandhla sako? ngi nike esandhlени sami izinkwa ezi isihlanu, nokunje okunye oku kona.

4 Umpristi wa m pendula uDavida wa ti, A siko isinkwa nje sabantu pansi kwesandhla sami, kepa si kona isinkwa esingewe; uma izinsizwa zi zigcinile esifazaneni kupela.

5 uDavida wa pendula umpristi wa ti kuye, Ehe, abesifazana ba nqatyelwe ukuza kitina izolo na kutangi iloku nga pumayo; nezitya zezinsizwa zingewe; lendhlela a i ngewe, kepa i ngeweliswa ngesitya.

6 Umpristi wa ni nika isinkwa esingewe; ngokuba sa si ngeko isinkwa kupela isinkwa sokubhekwa, e be si susiwe pambi kuka Jehova, ukuba si bekwe isinkwa esityisayo ngosuku esa swa ngalo.

7 Kwa ku kona ngalolosuku umuntu wezinceku zika Sauli, e bambekile pa-

mbi kuka Jehova, igama lake uDoegi wa kwa Edomi, isikulu sabalusi baka Sauli.

8 uDavida wa ti kuAhimeleki, akuko lapa pansi kwesandhla sako umkonto noma inkemba? ngokuba a ngi fikanga nenkemba yami nezikali zami, ngokuba indaba yenkosi ya i pangiswa.

9 Umpristi wa ti, Inkemba ka Golia umFilisti, owa m bulalayo esihlanjeni sa seEla, nansi si songiwe ngengubo ngasemva kweefodi; uma u yi tabata, i tabate, ngokuba a i ko enye lapa ngapandhle kwayo. uDavida wa ti, A i ko enye e njengayo; ngi nike yona.

10 uDavida wesuka wa baleka ngalolosuku pambi kuka Sauli, wa ya kuAkishi inkosi ya seGati.

11 Izinceku zika Akishi za ti kuye, Lo a siye uDavida inkosi yezwe? a ba vumanga ini ngaye be sina be ti, uSauli u bulele izinkulungwane zake, uDavida izinkulungwane ezi ishumi?

12 uDavida wa beka lawamazwi enhliziyweni yake, wa m esaba uAkishi inkosi ya seGati.

13 Wa pendula ukuqonda kwake emehlweni abantu; wa zenzisa uhlanya ezandhlени zabo, wa dweba ezivalweni zesango, wehlisela amate esilevini.

14 uAkishi wa ti ezincekwini zake, Bhekani, ni ya bona ukuti lomuntu u uhlanya; ni m letelani kimi?

15 Ngi swele izinhlanga ini, ukuba ni m lete lo ukuba a zenzise uhlanya kimi? lo u ya kungena endhlени yami?

ISAHLUKO 22.

UDAVIDA weuka lapo, wa balekela wa ya emhumeni wa seAdulamu; ba ku zwa abafu wabo nabo abendhlu ka yise, behlela kona kuye.

2 Kwa butana kuye abantu bonke abanabo, bonke aba be namacala, nabo bonke aba behliziyi i hlupekayo; wa ba inkosi pezu kwabo; ba be kona naye kungati abantu abamakulu mane.

3 uDavida wesuka lapo wa ya eMizpa la seMoabi, wa ti enkosini ya seMoabi, Ma beze obaba nomame ba hlale kuwe ngi ze ngazi ukuba uTixo u ya kwenzani kimi.

4 Wa ba beka enkosini ya seMoabi, ba hlala nayo izinsuku zonke zokuhlala kuka Davida enqabeni.

5 uGadi umprofeti wa ti kuDavida, U nga hlali enqabeni, hamba u ye ezweni la kwa Juda. Wesuka uDavida wa ya ehlatini la seHareti.

6 uSauli wezwa ukuti uDavida u yazi-wa nabantu aba be naye; uSauli wa e hlezi eGibea pansi komesheli entatyaneni, a pete umkonto wake, nezinceku zake zi mi naye.

7 uSauli wa ti ezincekwini zake ezi naye, Yizwani, nina ba kwa Benjaminini, Indodana ka Jese i ya kuninika nina nonke amasimu nezivini, i nenze nina nonke ni be izinduna zezinkulungwane neziduna zamakulu,

8 Ngokuba ni cebile ngami nina nonke, ka ko o ngi tyelayo ukuti indodana yami yenzile isivumelwano nendodana ka Jese, ka ko kini o ngi dabukelayo, no ngi tyelayo ukuti indodana yami i ngi vusele inceku yami ukuba i ngi hlomele njenga namhla?

9 Wa pendula uDoegi wa kwa Edomi, owa e misiwe pezu kwezinceku zika Sauli, wa ti, Nga bona indodana ka Jese i za eNobi kuAhimeleki indodana ka Ahitubi.

10 Wa m buzela kuJehova, wa m nika umpako, wa m nika nenkemba ka Golia umFilisti.

11 Inkosi ya tuma ukubiza uAhimeleki umpristi indodana ka Ahitubi, nabo bonke abendhlu kayise, abapristi aba be seNobi beza bonke enkosini.

12 uSauli wa ti, Yizwake, ndodana ka Ahitubi. Wa ti, Ngi lapa, nkosi yami.

13 uSauli wa ti kuye, Ni ebeleni ngami, wena nendodana ka Jese; u i nikile ukudhla nenkemba; u i buzele kuTixo, ukuba i ngi vukele i ngi hlomele njenga namhla?

14 uAhimeleki wa pendula inkosi wa ti, Ubani kuzo zonke izinceku zako otembekayo njengoDavida, umkwenyana wenkosi, o ku lalelayo notuswayo endhlini yako.

15 Nga qala ini ngalolosuku ukumbuzela kuTixo? Qa; inkosi ma i nga beki icala enekwini yayo, na kuyo yonke indhlu kababa, ngokuba ineeku yako be i ngazi luto kuleyondaba yonke, noluneane nolukulu.

16 Inkosi ya ti, U ya kufa nokufa, Ahimeleki, wena nabo bonke abendhlu ka yihlo.

17 Inkosi ya ti kuzo izigijimi ezi mi nayo, Sondelani ni bulale abapristi baka Jehova; ngokuba isandhla sabo si naye uDavida; na ngokuba bazi ukuti uDavida wa baleka, kepa a ba ngi tyelanga. Kepa izinceku zenkosi a zi vumanga

ukwelula isandhla sazo ukuba zi bulale abapristi baka Jehova.

18 Inkosi ya ti kuDoegi, Sondela wena, u bulale abapristi: uDoegi wa kwa Edomi wa sondela, wa behlela abapristi, wa bulala ngalolosuku abamashumi ashiyagalombili nesihlanu abambete iefodi lelineni.

19 iNobi, umuzi wabapristi, wa li nqoba ngobukali benkemba, amadoda nabafazi, abantwana nabanceelayo, nezinkabi nezimbongolo, nezimvu, wa zi bulala ngobukali benkemba.

20 Omunye kumadodana ka Ahimeleki indodana ka Ahitubi, igama lake li nguAbiataru wa baleka, wa m landela uDavida.

21 uAbiataru wa m tyela uDavida ukuti uSauli u bulele abapristi baka Jehova.

22 uDavida wa ti kuAbiataru, Ngazi ngalolosuku, lapo uDoegi wa kwa Edomi wa e kona, ukuti u za kutyela uSauli; imina o bangela ukuba ba fe abantu bonke bendhlu ka yihlo.

23 Hlala nami, u ngesabi; ngokuba o funa ukubulala mina, u funa ukubulala wena; kodwa u ya kugeinwa nxa u kona nami.

#### ISAHLUKO 23.

**K**WA bikwa kuDavida kwa tiwa, Bheka, amaFilisti a hlasela eKeila, a ya panga izibuya.

2 uDavida wa buza kuJehova, wa ti, Ma ngi ye ngi bulale amaFilisti, na? uJehova wa ti kuDavida, Hamba u bulale amaFilisti, u sindise iKeila.

3 Abantu baka Davida ba ti kuye, Bheka, si yesaba lapa kwa Juda; kangakanani po uma si ya eKeila, si lwa namaFilisti.

4 uDavida wa pinda wa buza kuJehova. uJehova wa m pendula wa ti, Suka wehlele eKeila, ngokuba ngi ya kunikelela amaFilisti esandhleni sako.

5 uDavida nabantu bake ba ya eKeila ba lwa namaFilisti, ba tumba izinkomo zawo, ba wa bulala kakulu; uDavida wa sindisa abantu ba seKeila.

6 Kwa ti, lapo uAbiataru indodana ka Ahimeleki wa balekela kuDavida eKeila, wehla iefodi li sesandhleni sake.

7 Kwa bikwa kuSauli kwa tiwa, uDavida u fikele eKeila. uSauli wa ti uTixo u m lahlele esandhleni sami, ngokuba u valelwe ngokungeni emzini o namasango nemivalo.



8 uSauli wa mema abantu bonke ukuba ba lwe, behlele eKeila, ba haqe uDavida nabantu bake.

9 uDavida wazi ukuti uSauli wa mcebela okubi, wa ti kuAbiatari umpristi, Leta iefodi.

10 uDavida wa ti, E, Jehova, Tixo ka Israeli, inceku yako i zwile ukuti uSauli u ya funa ukuza eKeila ukuba a cite umuzi ngenxa yami.

11 Abantu ba seKeila ba ya kunginikela esandhlени sake na? uSauli u ya kwehla njengokuzwa kwenceku yako? Jehova, Tixo ka Israeli, i tyele inceku yako. uJehova wa ti, U ya kwehla.

12 uDavida wa ti, Abantu ba seKeila ba ya kunginikela mina nabantu bani esandhlени sake na? uJehova wa ti, Ba ya kukunikela.

13 uDavida nabantu bake, kungati abamakulu a isitupa, besuka ba puma eKeila, ba hambahamba lapo ba be no-kuhamba kona. Kwa bikwa kuSauli kwa tiwa uDavida u balekile eKeila; wa yeka ukupuma.

14 uDavida wa hlala ehlane ezinqabeni, wa hlala entabeni e sehlane la seZifi. uSauli wa m funa imihla ngemihla, kepa uTixo a m nikelauga esandhlени sake.

15 uDavida wa bona ukuti uSauli u punile u funa ukumbulala; uDavida wa e sehlane la seZifi ehlatini.

16 uJonatani indodana ka Sauli, wesuka wa ya kuDavida ehlatini, wa qinisa isandhla sake ngoTixo,

17 Wa ti kuye, U ngesabi ngokuba isandhla sika Sauli ubaba a si yi kuku-fumana: wena u ya kuba inkosi kwa-Israeli, mina ngi ku landele ngi be owe-sibili ebukosini; na loku u ya kwazi uSauli ubaba.

18 Labo bobabili benza isivumelwano pambi kuka Tixo. uDavida wa hlala ehlatini, uJonatani wa ya ekaya.

19 Kwa se kwenyuka aba seZifi ba ya kuSauli eGibe, ba ti, uDavida ka catyi ini kiti ezinqabeni ehlatini, entabeni ya seHakila, eli nga seningizimu kwehlane?

20 Ngakoke yehla, nkosi, njengokufisa konke kwenhliziyo yako kokwehla, tina si ya kumnikela esandhlени senkosi.

21 uSauli wa ti, Ma ni busiswe uJehova, ngokuba ni ya ngi haukela.

22 Hambanike, ni qonde, nazi, ni bone indawo yake lapo ku kona unyawo lwake: ubani o m bonileyo kona; ngokuba ku bikwa kimi ku tiwa u nobuqili.

23 Bhekani izindawo zonke zokucatya a catyela kuzo, ni buyele kimi neqiniso; ngi ya kuhamba nani; ko ti uma e kona ezweni, ngi ya kumfumanisa ezizukulwaneni zonke za kwa Juda.

24 Besuka pambi kuka Sauli ba ya eZifi; kepa uDavida nabantu ba be seh-lane la seMaoni, etafeni ngaseningizimu kwehlane.

25 uSauli nabantu ba ya kumfuna. Kwa bikwa kuDavida; wehla edwaleni, wa hlala ehlane la seMaoni.

26 uSauli wa ya ngalapa kwentaba, uDavida nabantu bake ba ya ngalapa kwentaba; uDavida wa tyetya ukumuka ngenxa ka Sauli; uSauli nabantu bake ba haqa uDavida nabantu bake ukuba ba ba bambe.

27 Kwa fika isigijimi kuSauli, si ti, Tyetya u ze, ngokuba amaFilisti a hla-sele ezweni.

28 uSauli wa buya ekumlandeleni uDavida, wa ya kuhlanguka namaFilisti. Ngakoke ba qamba leyondawo iSelamahelekoti.

29 uDavida wa kupuka lapo, wa ya hlala ezinqabeni za seEngedi.

#### ISAHLUKO 24.

**K**WA ti, uSauli e se buyile ekulandeleni amaFilisti, kwa bikwa kuye kwa tiwa, Bheka, uDavida u sehlane la seEngedi.

2 uSauli wa tata abantu a ba izinkulungwane ezintatu aba ketiweyo kubo bonke abaIsraeli, wa ya kufuna uDavida nabantu bake emadwaleni ezinyamazane.

3 Wa fika ezibayeni zezimvu endhleleni; kwa ku kona umhume; uSauli wa ngena ukuba a mbese izinyawo zake; uDavida nabantu bake ba be hlezi emacaleni omhume.

4 Abantu baka Davida ba ti kuye, Nantu usuku uJehova a tyo kuwe ngalo, wa ti, Bheka, ngi ya kumnikela esandhlени sako isita sako, ukuba wenza kuso okuhle ngokubona kwako. uDavida wesuka wa sika ngasese umpeto wengubo ka Sauli.

5 Kwa ti ngasemva kwaloko uDavida wa tyaywa uvalo, ngoba wa e sikile umpeto wengubo ka Sauli.

6 Wa ti kubantu bake, Ma ku nga bi njalo Nkosi, ngi kwenza loku enkosini yami, ogcotyiweyo ka Jehova, ngelule isandhla sami kuye, loku u ngogcotyiweyo ka Jehova.

7 Kwa njalo uDavida wa ba sola abantu bake ngalawamazwi, ka ba vumelanga ukuba ba m vukele uSauli. uSauli wesuka emhumeni wa hamba.

8 NoDavida wesuka ngasemva, wa puma emhumeni, wa memeza uSauli, e ti, Nkosi yami, Nkosi. uSauli e se bhekile emva, uDavida wa ti mbo ngobuso bake emhlabatini, wa kotama.

9 uDavida wa ti kuSauli, U wa lalanelani amazwi abantu a ba ti, bheka: uDavida u funa ukulinyazwa kwako?

10 Bheka, namhla amehlo ako a bonile ukunikelwa kwako namhla Nkosi esandhleni sami emhumeni; abanye ba ti ma ngi ku bulale, kepa iso lami la ku haukela; nga ti a ngi yi kuselula isandhla sami enkosini yami, ngokuba ye na u ngogootyiweyo ka Jehova.

11 Futi, Baba, bheka, yebo, umpeto wengubo yako esandhleni sami, ngokuba ngi nqume umpeto wengubo yako a nga ku bulala, yazi wena u bone ukuba akuko 'sono nobubi esandhleni sami, a ngi konanga ngaluto, noko u zingela umpefumlo wami ukuba u wu tate.

12 uJehova ma ka hlulele pakati kwako nami; uJehova ma ka ngi pindisele kuwe, kodwa isandhla sami a si yi ku ba pezu kwako.

13 Njengesaga sabadala e si ti ububi bu vela kwababi; kepake isandhla sami a si yi kuba pezu kwako.

14 Inkosi ya kwa Israeli i pumela 'bani na? I landela 'bani na? I landelainja efileyo na? noma intwakumba na?

15 uJehova ma ka hlulele, a bele pakati kwako nami, a ngi mele mina a ngi kulule esandhleni sako.

16 Kwa ti uDavida e se geinile ukukuluma lawa mazwi kuSauli. uSauli wa ti, izwi lako leli ndodana yami Davida na? uSauli wa pakamisa izwi lake, wa kala.

17 Wa ti kuDavida, wena u lungile ku nami, ngokuba wena u ngi pindisele ngokuhle, kepa mina ngi ku pindisele ngokubi.

18 U bonakalisile namhla ukuba u ngi pate kahle mina; ngokuba lapo Inkosi i ngi nikele esandhleni sako, a u ngi bulalanga.

19 Uma umuntu e fumene isita sake, u ya kusidedela na? Ngakoke uJehova ma ku vuze kahle ngokwenzileyo kimina namhla.

20 Na manje bheka, ngi yazi kahle, ukuba wo ba inkosi impela, nombuso

wakwa Israeli u ya ku qiniswa esandhleni sako.

21 Fungake kimina manje ngoJehova ukuba a wu yi ku nquma inzalo yami emva kwami, nokuba a wu ku li cita igama lami endhlini ka baba.

22 uDavida wa funga kuSauli. uSauli wa goduka, kepa uDavida nabantu bake ba ya enqabeni.

ISAHLUKO 25.

U SAMUELI wa fa, abaisraeli bonke ba butana, ba m kalela, ba m gqiba endhlini yake eRama. uDavida wesuka, wehlela ehlane lase Parani.

2 Kwa ku kona indoda eMaoni e mfuyo yayo ya i seKameli. Leyo 'ndoda ya yi isikulu esikulu, ya i nezimvu ezi izinkulungwane ezintatu, nezimbuzi ezi inkulungwane, ya i gunda izimvu zayo eKameli.

3 Igama la leyo 'ndoda la li ngu Nabali, negama lomkayo uAbigaili; wa e umfazi o nokuqonda okuhle, nokubukeka okuhle, kodwa indoda ya i nonya nobubi emisebenzini yayo, ya yi ngeyendhlu ya se Kalebi.

4 uDavida wezwa ehlane ukuba uNabali u gunda izimvu zake.

5 uDavida wa tunja izinsizwa ezi ishumi, wa ti, uDavida kuzona, kupukani ni ye eKameli, ni ye kuNabali, ni m bingele egameni lami.

6 Kopilayo, ni ya kuti, ukutula ma ku be kuwe, nokutula ma ku be endhlini yako, nokutula ma ku be kuko konke o nako.

7 Manje ngi zwile ukuba u nabagundi, abalusi bako aba be nati, a si ba limazanga, a kwa lahleka luto kubona, sonke isikati loku ba be seKameli.

8 Buza ezinsizweni zako, zo ku tyela. Ngakoke yi ba nomusa ezinsizweni, ngokuba si fika ngosuku oluhle, yipake, ngi ya kunxusa abantu bako, nendodana yako uDavida kuko oku sesandhleni sako.

9 Lapo izinsizwa zika Davida se zi fikile, za kuluma kuNabali onke lawamazwi egameni lika Davida, za peza.

10 Nabali wa pendula izinceku zika Davida, wa ti, ubani uDavida na? I ubani indodana ka Jese na? Nga lezi zinsuku, zi kona izinceku ezi ningi e zeqa emakosini azo.

11 Au! ngi tate isinkwa sami nama-nzi ami nenyama e ngi yi bulalele aba-

gundi bami, ngi nike abantu e ngi nga baziyo noma aba pi na ?

12 Ngako izinsizwa zika Davida za penduka za buyela za fika za m tyela onke lawamazwi.

13 uDavida wa ti kubantu bake, hlomani nonke, ku be ilowo inkemba yake. Ba hloma inkemba zabo. uDavida naye wa hloma e yake inkemba. Abalandela uDavida ba be amakulu amane; amakulu amabili a sala empahleni.

14 Kodwa enye yezinsizwa ya m tyela uAbigaili unika Nabali, ya ti, bheka, uDavida wa tuma izigijimi ehlane ukubingelela inkosi yetu, ya zi vukela.

15 Kodwa amadoda a si pata kahle a si limalanga, a ku lahlekanga luto kiti na, ngaso sonke isikati e be si kuluma nawo ngaso, si sehlane.

16 A be udonga ki tina emini nasebusuku, ngaso sonke, isikati be si nabo si linda izimvu.

17 Manjeke yazi, u qonde o za ku kwenza, ngokuba ububi se bu miselwe inkosi yetu nabendhlu yayo yonke, ngokuba u yindodana ka Beliali kangaka ukuba ununtu a nge kulume kuyena.

18 Konake uAbigaili wa tyetya wa tabata izinkwana ezi ngamakulu amabili, namagaba ewaini amabili, nezimvu ezi isihlanu ezi hlatyiweyo, nezilinganiso ezi isihlanu zombila owosiweyo, nezigaxa zezinhlanvu zevine ezi ikulu, nezigaxana zamakiwane ezi ngamakulu amabili, wa zi twesa izinjomane.

19 Wa ti ezineekwini zake, hambani ngapambili kwami; mina ngi ni landele. Kepake a yi tyelanga indoda yake uNabali.

20 Kwa ba njalo, e sa kwele embongolweni wehla entabeni e sitele, kwa tike uDavida nabantu bake behlela kuye wa hlangana nabo.

21 Wa be e tyilo uDavida ukuti impela ngi kugeinele ize, konke lomuntu o nako ehlane, ukuba a ku lahlekanga luto, kanti u ngi pendulele okubi ngokuhle.

22 uTixo ma kenze njalo nokudhlulayo futi, kuzo izita zika Davida, nxa ngi shiya kubo bonke a nabo ekupumeni kwelanga, kwa ba puma beme ngasodongeni.

23 Lapo uAbigaili wa bona uDavida, wa tyetya wehlika embongolweni, wa ti mbo pansi ngobuso ngapambi kuka Davida, wa zi kotamisela emhlabatini.

24 Wa wa ngasezinyaweni zake, wa ti,

lobububi ma bu be pezu kwami Nkosi yami ngi ya kuncenga. Unntwana wako ma ka kulume ezindhlebeni zako, u zwe nawe incekukazi yako.

25 Ngi ya ku ncenga, Nkosi yami ma i nga nakekeli lendoda ka Beliali, uNabali, ngokuba njengegama lake u njalo yena; uNabali u yigama lake nobuula bu kuye; kodwa mina ncekukazi yako a ngi zi bonanga izinsizwa zenkosi yami e ya zi tumayo.

26 Ngakoke nkosi yami, ngokupila kwenkosi, nangokupila kompefumlo wako, njengaloku inkosi i ku vimbele ekuzeni kwako ukucita igazi nasekuzipindiseleni ngesandhla sako, manje izita zako, naba funela inkosi yami ububi, ma ba be njengoNabali.

27 Lesi 'sibusisoke e si letwa incekukazi yako enkosini yami, ma si nikwe izinsizwa ezi landela inkosi yami.

28 Ngi ya kuxusa, yekela ukona kwencekukazi yako, ngokuba uJehova u ya kuyenzela inkosi yami indhlu eqinileyo impela, ngokuba inkosi yami i lwa impi ka Jehova: nobubi a bu ka tolwa kuwe ezinsukwini zako zonke.

29 Noko indoda i vukile uku ku landela, nokufuna umpefumlo wenkosi yami u ya kubotywa esigaxeni sokupila kanye noJehova inkosi yako, nemipefumlo yezita zako, yena, u ya ku yi jikijela, kungati i pakati kwelengiso.

30 Ku ya kuti, lapo uJehova e se kwenzile enkosini yami konke okuhle a ku kulumileyo ngawe, e se ku misile futi u be umbuso pezu kuka Israeli.

31 Ku ti loku ku nga ku dabukisi wena, ku nga i hlupi futi inhliziyo yenkosi yami, noma u citile igazi ngeze, noma inkosi yami i zi pindisele, kodwa lapo uJehova e senzile kahle enkosini yami, lapoke, u kumbule incekukazi yako.

32 uDavida wa ti kuAbigaili, Ma ku bongwe uJehova inkosi yakwa Israeli e ku tumileyo namhla ukuhlangana nami.

33 Ma ku bongwe nokululeka kwako, ma u bongwe nawe o ngi vimbele namhla ekuzeni ukucita igazi, nasekuzipindiseleni ngesandhla sami.

34 Ngokuba ngeqiniso ngokupila kuka Jehova inkosi yakwa Israeli e ngi vimbele mina ekukulimazeni nxa u nga tyetyanga ukuza 'kuhlangana nami, impela nga ku nga salanga kuNabali ekuseni namunye noyedwa kwaba puma beme odongeni.

35 Njaloke uDavida wa kwamkela koke esandhlani sake loko a ku letela yena, wa ti kuye, kupukela endhlani yako ngokujabula, bheka, ngi li lalele izwi lako, ngi vumile futi nobuso bako.

36 uAbigaili wa ya kuNabali, bheka, wenza idili elikulu endhlani yake, nje-  
ngedili lenkosi, inhliziyo kaNabali ya i  
jabula pakati kwake, ngokuba wa e da-  
kiwe kakulu, ngako a ka m tyelanga  
luto neze kwa za kwa sa.

37 Kodwa kwa ti kusasa, iwaini se li  
pumile kuNabali, nomkake e se m tye-  
lile lezi 'zinto, inhliziyo yake ya fa pa-  
kati kwake wa ba njengetye.

38 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezi  
ishumi uJehova wa m tyaya uNabali,  
wa fa.

39 uDavida e se zwile ukuba uNabali  
u file, wa ti, ma ka bongwe uJehova o  
mele isici sehlozo lami esandhlani sika  
Nabali o vimbale inceku yake eubini,  
ngokuba uJehova u buyisele ububi bu-  
ka Nabali ekanda lake. uDavida wa  
tuma, wa kuluma noAbigaili ukuze a m  
tate, a be umkake.

40 Se zi fikile izinceku zika Davida  
kuAbigaili eKameli za kuluma kuye, za  
ti, uDavida u si tumile kuwe ukuba si  
ku tate u be umkake.

41 Wesuka wa ti mbo ngobuso emhla-  
batini, wa ti, bhekani, Incekukazi yake  
ma i be inceku yokugeza izinyawo zezi-  
nceku zenkosi yami.

42 uAbigaili wa tyetya, wasuka, wa  
kwela pezu kwembongolo, kanye nama-  
ntombazana ake a isihlanu, a e m lande-  
la, wa landela izitunywa zika Davida  
wa ba umkake.

43 uDavida wa tata futi uAhinoamu  
waseJezrili ba ba omkake bobabili.

44 Kodwa uSauli wa e se nike uMi-  
kali indodakazi yake umka Davida ku-  
Falti indodana ka Laishe waseGalimi.

#### ISAHLUKO 26.

**A**BA seZifi be za kuSauli eGibea, be ti  
uDavida a baicile ini entabeni iHaki-  
la e nga pambi kweJeshimone?

2 Wesuka uSauli, wehlela ehlane lase-  
Zifi, e namadoda a ketiweyo a kwa Isra-  
eli a izinkulungwane ezintatu ukufuna  
uDavida ehlane laseZifi.

3 uSauli wa ngenisa entabeni iHakila,  
e nga pambi kweJeshimone, endheleni,  
kodwa uDavida wa hlala ehlane wa bo-  
na ukuba uSauli u ya m landela kona  
ehlane.

4 uDavida wa kipa izinhlozi, wezwa  
ukuti uSauli u fikile impela.

5 Wesuka uDavida, wa fika endaweni  
lapo uSauli e ngenise kona, uDavida wa  
bona indawo lapo uSauli e lele kona.  
uAbneri indodana ka Neri induna yesi-  
xuku sake, noSauli wa e lele emseleni  
nabantu be misa ba m haqa.

6 uDavida wa pendula wa ti kuAhi-  
meleki umHiti, naku Abishai indodana  
ka Zerua, umfo wabo ka Joabi, e ti,  
ubani o za kwehlela nami kuSauli eka-  
mu na? uAbishai wa ti imina ngi za  
kwehla nawe.

7 uDavida noAbishai ba fika kubantu  
ebusuku, bheka uSauli e lele pakati ko-  
msele nomkonto wake u gxinyekiwe  
emhlabatini ngasesicamelweni sake, ko-  
dwa uAbneri nabantu ba be lele be m  
haqile.

8 uAbishai wa ti kuDavida, uTixo u  
se nikele isita sako esandhlani sako na-  
mhla, manje, ngi ya kunxusa, ma ngi  
m gwaze kanye ngomkonto u fike  
emhlabatini ngi nga m pindi.

9 uDavida wa ti kuAbishai, U nga m  
bulali, ngokuba ubani o ngelula isa-  
ndhla sake kogcotyiweyo kaJehova, a  
nga bi nacala na?

10 uDavida wa ti futi, ukupila kuka  
Jehova, uJehova u ya kumtyaya, noma  
ku fika usuku lwake lokufa, noma ehle-  
le empini, a fe.

11 uJehova menqabe ukuba ngelulele  
isandhla sami kogcotyiweyo ka Jehova,  
kodwa ngi ya kunxusa, tata wena ma-  
nje umkonto o sesicamelweni sake nesi-  
tya samanzi, si hambu.

12 uDavida wa tata umkonto, nesitya  
samanzi ngasesicamelweni sika Sauli,  
be muka a kwa bonwa muntu, a kwa-  
ziwa muntu, a kwavuka muntu, ngoku-  
ba ba be lele bonke, ngokuba ubuto-  
ngo obukulu obu vela kuJehova ba bu  
behlele.

13 uDavida wa welela ngapesheya we-  
ma pezu kwentaba, kude ba hlukana  
ibanga elikulu.

14 uDavida wa memeza abantu no-  
Abneri, indodana ka Neri wa ti, a u pe-  
nduli wena Abneri na? uAbneri wa  
pendula wa ti u ubani wena o kala enko-  
sini na?

15 uDavida wa ti kuAbneri, a u silo  
iqawe wena na? Ubani o njengawe ku-  
ba Israeli na? yini a u londanga inkosi  
yako, e inkosi na? Ngokuba kwa ngena  
omunye kubantu ukubulala inkosi yako.

16 Lento a yi lungile o yenzileyo. Ukupila kuka Jehova, ni fanele ukufa ngokuba a ni lindanga umnini wenu o geotyiweyo ka Jehova, na manje bheka lapo umkonto u kona nesitya samanzi e sa si sesicamelweni sake.

17 uSauli wa lazi izwi lika Davida wa ti, izwi lako leli ndodana yami Davida na? uDavida wa ti, Li izwi lami nkosi yami, e nkosi.

18 Wa ti, Inkosi yami i yi landelelani njalo incek u yayo na? Ngokuba ngenzeni mina? Intoni embi e sesandhlени sami na?

19 Manje ngi ya kunxusa nkosi yami, inkosi ma i zwe amazwi encek u yayo. Uma uJehova e ku nyakazisele mina, ma ka inkele umnikelo, kodwa uma ku ngabantwana babantu, ma ba be abaqalekisiweyo pambi kuka Jehova, ngokuba ba ngi xotyile namhla ekudhlени ifa lika Jehova be ti, hamba, u dumise otixo abanye.

20 Manje igazi lami ma li nga citeki emhlabatini pambi kuka Johova, ngokuba inkosi yabaIsraeli i punela ukufuna intwakumba, njengomuntu e zingela isikwehle ezintabeni.

21 uSauli wa ti, ngonile, buya ndodana yami, Davida, ngokuba a ngi sa yi ku kuhlupa, ngokuba umpefumlo wami wa u igugu emehlweni ako, namhla bheka ngenzile ukwesiula, ngonile kakulu.

22 uDavida wa pendula, wa ti, bheka umkonto wenkosi! dedela nenze insizwa i zo wu tata.

23 uJehova a bele kubantu bonke ku be kulowo ukulunga kwake nokukoleka kwake, ngokuba uJehova u ku nikele esandhlени sami namhla, kodwa a ngi selulanga isandhla sami kogeotyiweyo ka Jehova.

24 Bheka! ngokuba ukupila kwako kwa ku igugu elikulu namhla emehlweni ami, ngako ukupila kwami ma ku be igugu elikulu emehlweni ka Jehova, ma ka ngi kulule kuzo zonke izinhlupeko.

25 uSauli wa ti kuDavida, Ma u busiwe wena ndodana yami Davida, u ya kwenza izinto ezinkulu u me njalo futi. uDavida wa hamba ngendhlela yake, noSauli wa buyela endaweni yake.

ISAHLUKO 27.

**U**DAVIDA wa ti enhliziyweni yake ngi za kufa ngolunye usuku ngesandhla sika Sauli. Akuko oku ngi lungel-

leyo ku nokuba ngeqele ezweni lamaFilisti, uSauli wo lahla itemba ngami, a nga be e sa ngi funa futi, emkaulweni wabaIsraeli, ngi sinde kanjalo esandhlени sake.

2 uDavida wesuka weqa namadoda a ngamakulu a isitupa a e naye, wa ya ku Akishi, indodana ka Maoke, inkosi ya-seGati.

3 uDavida wa hlala noAkishi eGati, yena nabantu bake i lowomuntu nomuzi wake. uDavida nabafazi bake ababili, uAhinoami waseJezrili, noAbigaili wase-Kameli, umka Nabali.

4 Kwa tyelwa uSauli, ukuba uDavida a balekele eGati, a ka be sa m funa futi.

5 uDavida wa ti kuAkishi, Uma ngi tolile manje umusa emehlweni, ako, ma ba ngi nike indawo emzini osemaphandhlени, ukuba ngi hlale kona, ngokuba ku ngani ukuba incek u yako i hlale nawe emzini wobukosi na?

6 uAkishi wa m nika iZiklagi ngalolo' suku, ngako iZiklagi elamakosi a se-Juda ku ze ku be namhla.

7 Isikati sokuhlala kuka Davida emaphandhlени kumaFilisti, sa si umnyaka munye neziyanga ezine.

8 uDavida nabantu bake ba kupuka ba hlasela amaGeshuri, namaGezeri, namaAmaleki, ngokuba laba ba be abantu ba lelozwe kwasendulweni, ngenhlela e ya eShuri ku ze ku fike ezweni laseEgipite.

9 uDavida wa li tyaya izwe a ka shiyanga muntu e pilile owesilisa nowesifazana, wa muka nezimvu nezinkabi nezimbongolo, namakamelo nezingubo, wa buya, we za kuAkishi.

10 Wa ti uAkishi, u hlaselepi namhla na? uDavida wa ti, be ngi hlasele ezantsi kweJuda, nangenzantsi kweJeremeli, nangenzantsi kwamaKeni.

11 uDavida a ka shiyanga ndoda nowesifazana e pilile ukuya ku bika eGati, e ti funa ba si cebe, be ti, Wenze nje uDavida ku zo ba njalo ukwenza kwake sonke isikati a hlala ngaso ezweni lama-Filisti.

12 uAkishi wa kolwa uDavida, e ti, wenzile abantu bake abaIsraeli ukuba ba m zonde, ngako u ya kuba incek u yami njalonnjalo.

ISAHLUKO 28.

**K**WA ti ngalezo 'zinsuku, amaFilisti a buta amabuto awo empini ukulwa nabaIsraeli. uAkishi wa ti kuDavida,

yazi impela ukuba u ya kupuma nami impi, wena nabantu bako.

2 uDavida wa ti kuAkishi, Impela u ya ku kwazi oku ngenziwa ineku yako. uAkishi wa ti kuDavida, ngako ngi za ku kwenza u be umlindi wekanda lami njalunjalo.

3 Kepa uSamueli wa e se file, naba-Israeli bonke ba be m kalela, ba m gqiba eRama emzini wake. uSauli wa e se xotyile amadhlozi nezanusi ezweni.

4 AmaFilisti a butana, e za a ngenisa eShunemu, noSauli wa buta abaIsraeli bonke, ba ngenisa eGibea.

5 Lapo uSauli e bona isixuku sama-Filisti, wesaba, nenhliziyo yake ya tutumela kakulu.

6 uSauli wa buza kuJehova, uJehova a ka m pendulanga nangamapupo, nangeUrimi nangabaprofeti.

7 Wa e se ti uSauli ezincekwini zake ngi funeleni isifazana esi nedhlozi ukuba ngi ye kuye, ngi buze kuye. Izinceku zake za ti ku yena, bheka ku kona owesifazana onedhlozi eEndori.

8 uSauli wa zifihla wa faka ezinye izingubo, wa hamba namadoda amabili, ba fika kowesifazana ebusuku, wa ti, ngi ya kunxusa, ngi tyele ngedhlozi, u ngi vusele e ngi za ku m tyo kuwe.

9 Isifazana sa ti kuye, bheka u yazi okwenziwe uSauli, ukunquma kwake aba namadhlozi nezanusi ezweni, ngako ngi ukuba u ngi bekele isihibe, ukuba ngi fe na?

10 uSauli wa funga kuye ngoJehova, wa ti, ukupila kuka Jehova, a u yi kufikelwa okubi wena ngalokukwenza.

11 Wa ti owesifazana ngi zo kuvusela ubani na? Wa ti, ngi vusele uSamueli.

12 Lapo owesifazana wa bona uSamueli, wa kala ngezwi elikulu, nowesifazana wa kuluma kuSauli, e ti, u ngi kohliselani na? ngokuba u nguSauli wena.

13 Inkosi ya ti kuye, u ngesabi: kepa u boneni na? Owesifazana wa ti kuSauli, nga bona isitixo si kupuka si puma emhlabatini.

14 Wa ti kuye si nesimo sini sona na? Wa ti yena, Ixegu li ya kupuka li mbozwe ngenqubo. uSauli wa bona ukuba li uSamueli, wa ti mbo ngobuso emhlabatini, wa zi kotamisa.

15 uSamueli wa ti kuSauli, u ngi zamaziselani ukungivusa na? uSauli wa pendula wa ti ngi ya hlupeka kakulu ngokuba amaFilisti a yalwa nami, uTi-

xo u ngi shiyile, a sa ngi penduli ngabaprofeti, nangamapupo, ngako ngi ku bizile ukuze u ngi tyele e ngi za ku kwenza.

16 uSamueli wa ti, u buzalani kimi uma uJehova e se ku shiyile e se istla sako na?

17 uJehova wa zenzela njengaloku wa kuluma ngami, ngokuba u kwapucile umbuso, wa u nika umakelwane wako uDavida.

18 Ngokuba a wu lalanga izwi lika Jehova, a wenzanga ulaka lwake oluvutayo pezu kuka Amaleki, ngako uJehova u kwenzile loku kuwe namhla.

19 Futi uJehova u ya kunikela aba-Israeli kanye nawe esandhleni samaFilisti ngomso u ya kuba nami wena namadodana ako: uJehova u ya kunikela impi yabaIsraeli esandhleni samaFilisti.

20 Wa e se wa njalo uSauli emhlabatini, wesaba kakulu ngenxa yamazwi ka Samueli, wa pel'amandhla ngokuba a si dhlanga isinkwa ngalolo 'suku lonke nangabo bonke lobo 'busuku.

21 Owesifazana wa fika kuSauli wa bona ukuba, wa hlupeka kakulu, wa ti kuye, bheka, incekwazi yako i li lalele izwi lako, ngi bekile futi ukupila kwami esandhleni sami, nga lalala amazwi ako o wa kulumileyo kimi.

22 Manjeke ngi ya kunxusa, lalala wena izwi lencekwazi yako, ngi dedele, ngi beke isinkwana pambi kwako u dhle ukuze u tole amandhla lapo u hamba endhileleni yako.

23 Kodwa wala e ti, a ngi yi kudhla. Kodwa izinceku zake kanye nowesifazana ba m cinezela, wa li lalala izwi labo. Wa e se vuka emhlabatini wa hlafa pezu kombede.

24 Owesifazana wa e netole elinonileyo endhlini, wa tyetya wa li bulala, wa tata impupu wa yi xova wa peka isinkwa esingabilile.

25 Wa si leta kuSauli nasezincekwini zake, ba dhla. Ba se be vuka ba hamba ngalobo 'busuku.

#### ISAHLUKO 29.

**A**MAFILISTI a butela onke amabuto A awo eAfeki, abakwaIsraeli ba ngenisa eduze nonitombo o seJezrili.

2 Amakosi amaFilisti a dhlula ngamakulu, nangezinkulungwane, kodwa uDavida nabantu bake ba dhlula emva kanye noAkishi.

3 Za ti izinduna zamaFilisti, Enzani lawa maHeberu lapa na? uAkishi wa ti

ezinduneni zamaFilisti, A si ye uDavida lowo ineku kaSauli inkosi yaba kwa Israeli o kade e nami nga lezi 'zinsuku, nanga leminyaka, a ngi bonanga icala kuyena, se loku e za kimi ku ze ku be namhla.

4 Izinduna zamaFilisti za m tukutelela, nezinduna zamaFilisti za ti kuye, buyisa lomuntu, a buyele endaweni yake o m nike yona, a nga yi nati empini, funa kanti empini a be isita setu, ngokuba u ya kuzihlangula ngani enkosini yake. Ku nge be ngamakanda a lawa'madoda na?

5 A si ye uDavida lo na? aba be sina ngaye, be ti, uSauli u bulele izinkulungwane zake, uDavida izinkulungwane ezi ngamashumi na?

6 uAkishi wa biza uDavida wa ti kuye, Impela, ngokuphila kukaJehova u lungile wena, nokupuma kwako nokungenena kwako nami esixukwini, ku lungile emehlweni ami, ngokuba a ngi bonanga uto olubi ku wena se loku wa fika kimina ku ze ku be namhla, noko amakosi a u ku tandi.

7 Ngako buya manje u hamba kahle, ukuze u nga vusi amakosi amaFilisti.

8 uDavida wa ti kuAkishi, ngenzeni na? u boneni encekwini yako se loku nga hlala nawe ku ze ku be namhla, ukuba ngi nga yi ukulwa nezita zenkosi yami, nkosi na?

9 uAkishi wa pendula, wa ti kuDavida, ngi yazi, u lungile emehlweni ami, njengengelosi ka Tixo, noko izikulu zamaFilisti zi tyilo ukuti, yena a ka yi ku kupuka a ye nati empini.

10 Ngako vuka ekuseni kanye nezineeku zomnumuzana wako e zi fikileyo nawe, ni hamba ekuvukeni kwenu kusasa se ku kanya.

11 Ngako uDavida nabantu bake ba vuka ekuseni ba hamba ukubuyela ezweni lamaFilisti, amaFilisti a kupukela eJezrili.

### ISAHLUKO 30.

**K**WA ti uDavida nabantu bake se be fikile eZiklagi ngosuku lobutatu, amaAmaleki e kade e hlasele enzantsi, kweZiklagi a li tyaya a li tyisa ngomlilo.

2 A tumba abesifazana aba be pakati, e nga bulalanga 'muntu kwabakulu nabancane, kodwa e muka nabo, a hamba ngendhlela yawo.

3 uDavida nabantu bake ba fika emzi-

ni, bheka! wa u tyiswe ngomlilo, nabafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo'a e tunjiwe.

4 uDavida nabantu a ba be naye ba pakamani izwi labo, ba kala, kwa za kwa pela 'mandhla okukala.

5 Abafazi baka Davida ababili ba be tunjiwe, uAhinoami waseJezrili noAbigaili, unka Nabali waseKameli.

6 uDavida wa e nosizi olukulu, ngokuba abantu ba kuluma ngokumkanda ngamatye, ngokuba izinhliziyi zabantu bonke za zi dabukile, ilowo 'muntu ngamadodana ake namadodakazi ake, kodwa uDavida wa ziqinisa ngoJehova, uTixo wake.

7 uDavida wa ti kuAbiata umpri, indodana ka Ahimeleki, ngi ya kunxusa, u ngi letele iefodi, uAbiata wa li leta iefodi kuDavida.

8 uDavida wa buza kuJehova, wa ti, ngi zo yi landela leyo 'mpi na? Ngi zo yi fumana na? Wa pendula wa ti, yi landele ngokuba u za kuyifumana, u buyise konke impela.

9 uDavida wa hamba yena, namadoda a ngamakulu a isitupa a e naye, wa fika emfuleni otwa iBesori, lapo kwa hlala kona abasala emva.

10 uDavida wa landela, yena, namakulu amane amadoda, ngokuba amakulu ababili a hluleka ukuwela umfulana iBesori, e dangele.

11 Ba fumana umuntu wasEgipite ensimini, ba m leta kuDavida, ba m nika isinkwa, wa dhla, ba m puzisa amanzi.

12 Ba m nika futi ucezu lwesinkwa samakiwane nezigaxa ezibili zevine, ua lapo e se dhlile kwa buyela amandhla ake, ngokuba e nga dhlanga isinkwa, e nga puzanga amauzi izinsuku ezintatu nobusuku obutatu.

13 uDavida wa ti kuye u ngo ka bani na? Wa ti yena ngi insizwa yasEgipite ineku yomuntu waseAmaleki, inkosi yami ya ngi shiya ngoba nga gula, izinsuku ezintatu ngolwanamhla.

14 Sa hlasele ngasenzantsi kwamaKeriti, na kwe lakwaJuda, nasenzantsi kweKalebi sa tyisa iZiklagi ngomlilo.

15 uDavida wa ti kuye, u nga ngehli-sela kulempi na? Wa ti funga kimi ngoTixo, ukuba a u yi kungibulala, ukunginikela ezandhleni zenkosi yami, ngo kwehlisela kuleyo 'mpi.

16 Lapo e se m ehlixele bheka; ba be

hlakazekile ezweni lonke, be dhla, be puza, be siva ngenxa yempango enkulu aba be yi tatile ezweni lamaFilisti nasezweni lakwa Juda.

17 uDavida wa ba hlasela wa qala kusa kwa za kwa ikusihlwa, ngangomso a kwa sinda muntu ku bona, kwela izinsizwa ezi ngamakulu amane, e za zi kwela pezu kwamakamelo za baleka.

18 uDavida wa buyisa konke okwa tawamaAmaleki, uDavida wa sindisa abafazi bake ababili.

19 A kwa sala 'luto ku bona noluncane nolukulu namadodana abo namadodakazi abo, nempango yabo nako konke okwa ku tatiwe ku bona. uDavida wa ku buyisa konke.

20 uDavida wa tata yonke imihlambi, a ba be yi quba ngapambili kwezinkomo ezinye be ti, impango ka Davida le.

21 uDavida wa fika kuwo amadoda a ngamakulu amabili, a e katele, e ngenamandhla oku m landela uDavida, a ba be ba hlalisile emfuleni iBesori, ba puma ukuhlangabeza uDavida nokuhlangabeza abantu aba be naye: Lapo uDavida se fikile eduze na labo 'bantu wa ba bingelela.

22 A pendula onke amadoda amabi ka Beliali aba be noDavida, ba ti, ngokuba ka ba hambanga nati, a si yi kubanika luto empangweni e si yi buyisileyo kupela ku be i leyo 'ndoda unikayo nabantwana bayo ba ba qube, ba hanube.

23 Wa ti uDavida a ni yi kukwenza loko, bafu wetu, ngaloko, e si kunikiwe uJehova o si londileyo empini e ya hlasela esandhlani setu.

24 Ubani o ya ku ni zwa kulendaba? Ngokuba inxenye yo be nile empini, i ya ku lingana nengenye yo be hlezi, ngasempahleni ba ya kwahlukaniselwa ku lingane.

25 Kwa ba njaloke emva kwa leso 'sikati, wenza umteto nesimiso kuba-Israeli ku ze ku be namhla.

26 uDavida e se fikile eZiklagi wa tuma enye impango ezikulwini zakwa Juda, izihlobo zake, e ti naso isipo sami, empangweni yezita zika Jehova.

27 Kwa ba be seBeteli kwa ba be senza-nsi kweRemote na kwaba ba seJattiri.

28 Na kwaba be seArocri, na kwaba be seSifnote, na kwaba be seEshtemoa.

29 Na kwaba be seRakali na kwaba be semizini yamaJerameli na kwaba be semizini yamaKeni.

30 Na kwaba be seHorma na kwaba be seKoashani na kwaba be seAtaki.

31 Na kwaba be seHebroni na sezindaweni zonke lapo uDavida nabantu bake ba be jayele ukuhamba kona.

ISAHLUKO 31.

**A**MAFILISTI a lwa nabakwa Israeli, namadoda a bakwa Israeli a balekela amaFilisti, a wa pansi e bulewe entabeni yaseGibea.

2 AmaFilisti a landela uSauli namadodana ngamandhla. amaFilisti a bulala uJonatani, noAbinadabi, noMelkishua, amadodana ka Sauli.

3 Impi ya ba nzima kuSauli, abemibityelo ba m hlaba. Wa limala kakulu ngabemibityelo.

4 Wa ti uSauli kumpati wezikali zake, hotya inkemba yako, u ngi gwaze ngayo, funa laba abangasokile, ba fike ba ngi gwaze, ba ngone kodwa umpati wezikali zake wala, ngokuba wa yesaba, ngako uSauli wa tata inkemba yake wa wa pezu kwayo.

5 Lapo umpati wezikali, e bona uku-ba uSauli u file, wa wa naye pezu kwenkemba yake wa fa kanye naye.

6 Njalo wa fa uSauli namadodana ake amatatu nompoti wezikali zake nabantu bonke bake ngalolo 'suku kanye kanye.

7 Lapo abantu bakwa Israeli ba be ngapesheya kweJordani be bona ukuba abantu bakwa Israeli ba balekile nokuba uSauli namadodana ake ba file, ba yi shiya inuzi ba baleka, amaFilisti a fika a hlala kuyo.

8 Kwa ti ngomso lapo amaFilisti a fika ukupanga abafileyo ba bona uSauli namadodana ake amatatu be file entabeni yaseGilboa.

9 Ba nquma ikanda lake ba panga izikali zake. Ba zi tuma ezweni lonke lamaFilisti, ukuze kwazeke endhlini yezintombi zabo na kubantu.

10 Ba beka izikali zake endhlini ka Astarote, ba betela isidumbu sake odongeni lwaseBethshani.

11 Lapo abantu ba seJabesh-giladi be zwa ngokwenziwa amaFilisti kuSauli.

12 Onke amadoda, a namandhla a vuka, a hamba ubusuku bonke a tata isidumbu sika Sauli, nezidumbu zamadodana ake odongeni lwaseBethshani, a fika eJabesh-giladi a zi tyisa kona.

13 A tata amatambo abo a wa gqiba ngapansi komuti eJabeshi a zila izinsuku ezi isikombisa.



# SAMUELI.

## ISAHLUKO 1.

**E**MVA kokufa kuka Sauli, uDavida e se buyile ekuhlaseleli kwake ama-Amaleki, uDavida e hlezi izinsuku ezimbili eZiklagi;

2 Kwa ti, ngosuku lwesitatu, bheka umuntu wa puma, ekamu lika Sauli izingubo zake zi datyuliwe nomhlabati u sekanda lake, kwa ti e se fikile kuDavida wa ti mbo pansi wa kuleka.

3 uDavida wa ti kuye, U velapi na? Wa pendula wa ti kuye, ngi punyuke ekamu labaIsraeli.

4 uDavida wa ti kuye, Ku yini loku na? Ngi tyele pela, Wa pendula wa ti, abantu ba balekile empini, abaningi abantu ba file, uSauli noJonatani, indodana yake, ba file nabo.

5 uDavida wa ti ku leyo 'nsizwa e ya m tyela loko, wazi ngani ukuba uSauli noJonatani indodana yake ba file na?

6 Insizwa leyo ya ti, kwa ti ngi sentabeni yaseGilboa, bheka uSauli e ncika ngomkonto wake; kwa ti futi abezinqola nabamahashi ba ni landela ngamandhla.

7 Lapo e buka emva, wa ngi bona, wa ngi biza.

8 Wa ti kimi, U ngubani wena na? Ngi pendula, nga ti, Ngi ngowakwa-Amaleki.

9 Wa tike, yima eduze nami, u ngi bulale, ngokuba inhlupeko i ngehlele ngenxa yokupila oku kimina.

10 Ngako ngeina eduze naye, nga m bulala, ngokuba nga bona ukuti a ka yi kupila, e se wile, nga tata umecele, o wa u sekanda lake, ngi u letile lapa kuyo inkosi yami.

11 uDavida wa zi bamba izingubo zake, wa zi dabula, nawo onke amadoda a e naye, enza njalo futi.

12 Ba lila, ba kala, ba zila, kwa ze kwa hlwa, ngenxa kaSauli noJonatani indodana yake nangabantu baka Jehova nangenhlulu kaIsraeli, ngokuba be wile ngenkemba.

13 uDavida wa ti kuyo insizwa e m tyelile, u ngowapi na? Ya pendula ya ti, ngi indodana yomuntu wesizwe sakwa-Amaleki.

14 uDavida wa ti kuye, a wesabanga

ngani ukwelula isandhla sako ukubulala ogecotyiweyo ka Jehova na?

15 uDavida wa biza enye insizwa, wa ti, soudela, u we pezu kwake. Ya m tyaya, wa ze wa fa.

16 uDavida wa ti igazi lako ma li be pezu kwekanda lako ngokuba umlomo wako u ufakazi ngawe, wa ti, mina, ngi bulele ogecotyiweyo ka Jehova.

17 uDavida wa lila ngalesi 'sililo ngo-Sauli, na ngoJonatani indodana yake.

18 Wa ba yala ukuba ba fundise abantwana bakwaJuda ingoma yomecibityelo, (bheka ku lotyiwe encwadini ka Jasher) —

19 Ubuhle buka Israeli bu bulewe ezindaweni ezi pakamileyo zako; amaqawe a we kanjani na?

20 Ma ku nga kulunywa eGati, ma ku nga tyelisiswa ezindhleleni zakwa Ashkeloni, funa amadodakazi amaFilisti a jabule, funa amadodakazi abo abangasokile a hleke!

21 Nina zintaba zaseGilboa ma u nga bi ko umbete nemvula pezu kwenu, na pezu kwamasimu a telayo, ngokuba lapo isihlangu samaqawe si ntyingwe kabi. isihlangu sika Sauli, kwangati a si geotywanga ngamafuta.

22 Egazini lababuleweyo nasemafuteni amaqawe, umcibityelo ka Jonatani a u pindelanga emuva, nenkemba kaSauli a i buyelanga, i ize.

23 uSauli noJonatani, ba be tandeka, be bahle ekupileni kwabo, nasekufeni kwabo ka ba hlukaniswanga, ba be nejubane ku nokozi, ba be namandhla ku namabubesi.

24 Nina madodakazi ka Israeli, Kalelani uSauli o ni gqokise ngokubomvu nangenjabulo enye, o hlobise izingubo zenu ngegolide.

25 Au! ukuwa kwamaqawe pakati kwempi! Au Jonatani! U bulewe wena ezindaweni ezi pakamileyo zako!

26 Ku ngehlele ngawe mfo wetu Jonatani! wena u bu ngi jabulise kakulu, utando lwako kimina lwa lwesabeka, lu hlula notando lwesifazana.

27 Yeka ukuwa kwamaqawe nokupela kwezikali zokulwa!

ISAHLUKO 2.

**K**WA ti emya kwaloku uDavida wa buza kuJehova, wa ti, ngi zo kupuka emzini wakwaJuda na? uJehova wa ti kuye, kupuka. uDavida wa ti ngi zo kupukela ku yipi 'ndawo na? Wa ti kuye, kuHebroni.

2 uDavida wa kupukela lapo kanye nabafazi bake ababili uAhihoami wakwa Jezrili noAbigaali umka Nabali waseKameli.

3 Abantu bake a ba be naye, uDavida wa kupuka i leyo 'ndoda nomuzi wayo ba hlala emuzini waseHebroni.

4 Amadoda a kwa Juda a fika lapo: a m geoba uDavida a m enza inkosi pezu kwendhlu kaJuda, ba m tyela uDavida ba ti, amadoda akwaJabeshgiladi i wona a m gqibayo uSauli.

5 uDavida wa tuma izigijini kuwo amadoda akwaJabeshgiladi, wa ti kuwo, ni ya busiswa uJehova, ngokuba ni bonakalisile lolutando enkosini yenu, kuSauli, na m gqiba.

6 Manje uJehova a ni pe umusa neqiniso, nami ngo buyisela kinina lomusa, ngokuba ni yenzile leyo 'nto.

7 Ngako ma zi qine izandhla zenu, ni be nesibindi, ngokuba inkosi yenu uSauli i file, indhlu yakwaJuda i ngi geobile ngi be inkosi pezu kwabo.

8 Kodwa uAbneri indodana ka Neri, induna yesixuku sika Sauli wa tata uHish-bosheti, indodana ka Sauli, wa m welisela eMahanaimi.

9 Wa m enza inkosi pezu kweGiladi na pezu kwabantu baseAshuri, na pezu kweJezrili, na pezu kweEfraini, na pezu kweBenjamini, na pezu kwabo bonke abaIsraeli.

10 uHish-bosheti, indodana ka Sauli, wa e neminyaka engamashumi amane, lapo e qala ukubusa pezu kwaba Israeli, Wa busa iminyaka emibili, Indhlu yakwa Juda yodwa ya m landela uDavida.

11 Isikati, uDavida a busa ngaso pezu kwendhlu yakwa Juda, sa si iminyaka e isikombisa nezinyanga ezi isitupa.

12 uAbneri, indodana ka Neri, kanye nezineku zake, zika Hish-bosheti, indodana ka Sauli, ba puma eMahanaimi, ba ya eGibeoni.

13 uJoabi, indodana ka Zernia nezineku zika Davida, ba puma ba hlalana eduze necibi lakwa Gibeoni, ba hlala pansi, abanye kwelinye icala lecibi, nabanye kwelinye icala lecibi.

14 Abneri wa ti kuJoabi, izinsizwa ma zi suke manje, zi gqakuzane panubi kwetu, uJoabi wa ti, Ma zi suke.

15 Kwa se ku suka ishumi nambili zakwa Benjamini, za wela, eza zi kwa-Hish-bosheti, indodana ka Sauli, nezineku zika Davida ezi ishumi nambili.

16 Ba bambana njalo ngamakanda, ba gwazana ngenkamba, ba wa kanye, ngako leyo 'ndawo ya bizwa ngokuti Helkat-Iazzurimi e ngaseGibeoni.

17 Kwa ku kona impi enzima ngalolosuku, uAbneri wa hlulwa abantu bakwa Israeli, ba balekela izineku zika Davida.

18 Kwa ku kona amadodana amatatu ka Zerua, uJoabi noAbishai noAsaheli; uAsaheli wa e nejubane njengenyamazane yasendhle.

19 uAsaheli wa sukela uAbneri, na ngokuhamba kwake, a ka cezukanga, ngakwesokunene nakwesokhlo, eku m landeleni uAbneri.

20 Konake uAbneri wa lunguza emva wa ti, U nguAsaheli na? Wa pendula, wa ti, ngi nguye.

21 uAbneri wa ti, ezuka ngakwesokunene, noma kwesokhlo, u bambe enye yezinsizwa u tate izikali zayo, Bheka uAsaheli a vumanga ukuvezuka eku m landeleni kwake.

22 uAbneri, wa pinda, wa ti kuAsaheli, ezuka ekungilandeleni, ngi zo ku tyayelani na? Ng i nga m buka kanjani uJoabi umfo wenu na?

23 Kodwa wala ukuvezuka ngako uAbneri wa m tyaya ngenzansi kobambo lwesihlanu ngesidunu somkonto, kwa ti umkonto wa puma ngemuva, wa wa kona lapo, wa fa ku leyo 'ndawo kwa ti aba fika lapo uAsaheli wa fela kona, bema.

24 uJoabi noAbishai ba m landela uAbneri, ilanga la tyona, be sentabani, iAmma, e nga seGia ngendhlela yasehlane kwa Gibeoni.

25 Abantwana baka Benjamini ba butana, ba hamba noAbneri ba isixuku sinye, bema pezulu entabeni.

26 uAbneri wa memeza kuJoabi, wa ti, Inkemba i ya kudhla njalonzalo na? A wazi wena ukuba ko ba kona umunyu ekugeineni na? Ko ba isikati esingakanani u ze u yale abantu ukubuya ekulandeleni abafu wabo na?

27 uJoabi wa ti ukupila kuka Jehova, uma u bu ngakulumanga, impela kusasa abantu nga be mukile, ku be i lowo ekulandeleni kwake umfo wabo.

28 uJoabi wa e se tyaya itilongo, nabantu bonke bema, a ba be sa landela uIsraeli, a ba be be salwa futi.

29 uAbneri namadoda ake ba hamba bonke lobo 'busuka etafeni, a wela iJordani, a dabula lonke e laseBithroni, ba fika eMahanaini.

30 uJoabi wa buya ekumlandeleni uAbneri, na lapo e se ba butile bonke abantu, kwa sula ezineekwini zika Davida amadoda a yishumi nashiyagalolunye noAsaheli.

31 Kefa izinceku zika Davida za wa tyaya amadoda ka Benjamini noAbneri, ba fa abangamakulu amatatu namashumi a isitupa.

32 Ba tata uAsaheli, ba m mbela etuneni lika yise e li seBetlehemu uJoabi namadoda, ba hamba ubusuku bonke, ba fika eHebroni kumpondo zankomo.

### ISAHLUKO 3.

**K**WA ku kona ukulwa isikati eside pakati kwendhlu ka Sauli, nendhlu ka Davida, kodwa uDavida wa kula njalo, nendhlu ka Sauli ya neipa njalo.

2 Kwa zalelwa uDavida amadodana eHebroni; izibulo la li nguAmmoni, kuAhinoami intombi yaseJezrili.

3 Eyobubili ya i nguKileabi kuAbigaili umka Nabali waseKameli, Eyobutatu uAbsalomu, indodana ka Maka, indodakazi ka Talmi, inkosi yaseGeshuri.

4 Eyobune uAdonija, indodana ka Hagiti, neyesihlanu uShefatia indodana ka Abitali.

5 Eyestupa, uTreamu, kuEgla umka Davida. Lawa a zalelwa uDavida eHebroni.

6 Kwa ti lapo ku kona ukulwa pakati kwendhlu ka Sauli nendhlu ka Davida uAbneri wa qinisa wa i mela indhlu ka Sauli.

7 uSauli wa e nentombi igama layo la li nguRizpa, indodakazi ka Aiya, uHish-bosheti wa ti kuAbneri, u ngeneleni wena entombini ka baba na?

8 Konake uAbneri wa tukutela kakulu ngamazwi ka Hish-bosheti, wa ti, ngi ikanda lenja mina na? E nomusa namhla ngakwa Juda endhlini ka Sauli uyihlo kubafo wabo, nasezihlotyeni zake, ngi nga kunikelanga esandhleni sika Davida, ukuba u ngi qale namhla ngenentombi embi nga lesi 'sifazana na?

9 Ma kenze njalo uTixo kuAbneri, a dhlulise futi, njengokufunga kukaJehova

kuDavida, nami ngokwenza njalo kuye.

10 Ukuguqula umbuso endhlini ka Sauli nokumisa isihlalo sobukosi sika Davida pezu kuka Israeli na pezu kuka Juda, ku suke kwa Dani, ku ze ku fike eBeresheba.

11 A ka ba nako ukupendula uAbneri ngezwi futi, ngokuba wa ye e m esaba.

12 uAbneri wa tuma izigijimi kuDavida esikundhleni sake e ti, E lika bani izwe na? E ti futi, Hlangana nami, bhekake! isandhla sami si ya kuba nawe ukubutela abaIsraeli bonke kuwe.

13 Wa ti, yeboke; ngi ya kuhlanguana nawe, kodwa inye into e ngi ya ku yi dinga kuwe ukuti, a u yi ku bona ubuso bami u nga ka leti uMikali indodakazi ka Sauli, lapo u zayo ukubona ubuso bami.

14 uDavida wa tuma izigijimi kuHish-bosheti, indodana ka Sauli, e ti, Ngi nikele umfazi wami uMikali e nga zite ngela yena ngamajwabu a ikulu ama-Filisti.

15 uHish-bosheti wa tuma, wa m tata endodeni yake, uFaltieli, indodana ka Laishu.

16 Kefa indoda yake ya m landela i kala, wa za wa fika eBahurimu. Wa ti uAbneri kuye, buya. Wa buya.

17 uAbneri wa kulumisana nezikulu zakwa Israeli e ti, na funa uDavida ngezikati ezi dhlulileyo ukuba a be inkosi pezu kwenu.

18 Kwenzenike manje, ngokuba uJehova u kulumile ngoDavida e ti, ngesandhla seneeku yami uDavida, ngi ya kukulula abantu bami abaIsraeli esandhleni samaFilisti na sesandhleni sezita zonke zabo.

19 uAbneri wa kuluma futi ezindhlebeni zika Benjamini, uAbneri wa ya futi ukukuluma ezindhlebeni zika Davida eHebroni, konke okungati ku lungile kuIsraeli na sendhlini yonke ka Benjamini.

20 uAbneri wa fika kuDavida eHebroni, e hamba namadoda e ngamashumi amabili, uDavida wenzela uAbneri na lawo 'madoda, a e naye ukudhla.

21 uAbneri wa ti kuDavida, ngi ya kusuka, ngi ye, ngi butele abaIsraeli bonke enkosini yami, ukuze benze isivumelwano nawe, ukuze futi u buse pezu kwako konke oku tandayo enhliziyweni yako, uDavida wa m mukisa uAbneri, wa hamba ngokujabula.

22 Bheka izineeku zika Davida nezika Joabi za buya ekulandeleni isixuku, za leta impango enkulu, kodwa uAbneri wa e ngeko noDavida eHebroni, ngokuba wa e m mukisile, wa hamba ngokujabula.

23 Lapo uJoabi nesixuku e sa si naye, ba fika, ba m tyela uJoabi, be ti, uAbneri indodana kaNeri, wa fika enkosini, ya m mukisa wa hamba ngokujabula.

24 UJoabi wa fika enkosini wa ti, wenzeni wena na? bheka; uAbneri wa fika kuwe, ku ngani ukuba u m mukise, wa hamba impela na?

25 U ya m azi uAbneri indodana kaNeri, ukuba wa fika uku ku kohlisa, nokuqapela ukupuma kwako, nokungena kwako, nokwazi konke okwenzayo.

26 Lapo uJoabi e se pumile kuDavida, wa tuma izigijimi ukulandela uAbneri, za m buyisa emtonjeni waseSira, kepa uDavida wa e nga kwazi.

27 Lapo uAbneri e se buyele eHebroni uJoabi wa m buyisela ecaleni esangweni ukuba a kulume naye kancane, wa m gwaza lapo, ngapansi kobambo lwesihlanu wa fa ngenxa yegazi lika Asaheli umfo wabo.

28 Ngasemva lapo uDavida e ku zwile wa ti, mina nombuso wami a si nacala ngapanbi kuka Jehova ku ze ku be sekupeleni ngenxa yegazi lika Abneri indodana ka Neri.

29 Ma li be pezu kwekanda lika Joabi na pezu kwayo youke indhlu ka yise. Ma ku nga puti endhlini ka Joabi namunye o nesizalo no nelepero, no zimelela ngoti nowelayo pezu kwenkamba, noswele isinkwa.

30 Ngako uJoabi noAbishai umfo wabo, ba bulala uAbneri ngokuba wa bulala umfo wabo uAsaheli eGibeoni empini.

31 uDavida wa ti kuJoabi nakubantu bonke aba be naye, dabulani izingubo zenu ni binece ngamasaka, ni kalele uAbneri, naye uDavida inkosi wa landela uhlaka.

32 Ba m gqiba uAbneri eHebroni inkosi ya pakamisa izwi layo, ya kala etuneni lika Abneri, nabantu bonke ba kala.

33 Inkosi ya m lilela uAbneri ya ti, wa fa uAbneri, njengokufa kwesitula na?

34 Izandhla zako za zi nga botyiwe, nezinyawo zake za zi nga banjjiwe ngenzimbi, wa fa wena njengomuntu o wayo pambi kwabantu ababi. Abantu bonke ba pinda ba m kalela.

35 Lapo abantu bonke ba fika kuDavida uku m dhliisa inyama, ku sa kanya, uDavida wa funga wa ti, uTixo ma kenze njalo kimi, a dlulise futi, uma ngi dhla isinkwa, nokuuye li ze li tyone ilanga.

36 Abantu bonke ba bhekisisa kuloku, kwa ba jabulisa njengokwenza konke kwenkosi kwa jabulisa abantu bonke.

37 Ngokuba abantu bonke nabaIsraeli bonke, bazi ngalolo 'suku ukuba kwa ku nge siko okwenkosi ukubulala uAbneri indodana kaNeri.

38 Inkosi ya ti ezineekwini zayo, ka nazi nina ukuti inkosi umuntu omkulu i file namhla kwaba kwa Israeli na?

39 Nami ngi butakataka namhla, noko ngi inkosi egcotyiweyo; laba 'bantu, amadodana kaZerua ba ya ngahlala. uJehova u ya kupindisa kowenza okubi, njengokubi a kwenzayo.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti indodana ka Sauli se i zwile ukuba uAbneri u file eHebroni, izandhla zayo za ba butakataka, nabo bonke abaIsraeli ba katazeka.

2 Indodana ka Sauli ya i namadoda amabili a be izinduna zamabuto, igama lenye, la li ngu Baana, negama lenye la li nguRekabi, amadodana ka Rimmoni waseBerote, o wabantwana baka Benjaminini (ngokuba uBerote wa e balelwe ku-Benjaminini :)

3 Aba seBerote ba balekela eGitaimu ba hlala kona ku ze ku be namhla.

4 uJonatani indodana ka Sauli wa e nendodana e ya i unyonga ezinyaweni zayo. Ya i neminyaka e isihlanu, lapo kwa fika indaba ngoSauli noJonatani i puma eJezrili, umzanyama wayo, wa i tata, wa baleka ya wa ya ba unyonga. Igama layo la li nguMefibosheti.

5 Amadodana ka Rimmoni waseBerote, uRekabi noBaana ba ya, ba fika se li tyisa ilanga, endhlini ka Hish-bosheti, o wa e lele embedeni emini.

6 Ba fika kona ngapakati kwendhlu, kwa ngati ba lande ukolweni, ba m tyaya ngapansi kobambo lwesihlanu: uRakabi noBaana umfo wabo ba baleka.

7 Ngokuba ekungeneni kwabo endhlini, wa e lele embedeni wake endhlini yake yokulala, ba m tyaya ba m bulala, ba m nquma ikanda ba li tata bamuka, ba dabula etafeni ubusuku bonke.

8 Ba leta ikanda lika Hish-bosheti ku-

Davida, eHebroni, ba ti, enkosini bheka ikanda lika Hish-bosheti, indodana ka Sauli, isita sako, e sa funa ubomi bako, uJehova u pindisile namhla, inkosi yami inkosi, kuSauli na senzalweni yake.

9 uDavida wa pendula uRekabi noBaana, umfo wabo, amadodana ka Rimmoni, waseBerote, wa ti kubo, ukupila kuka Jehova, o wa kulula umpefumlo wami kuzo zonke izinhlupeko;

10 Lapo omunye wa ngi tyela wa ti, bheka uSauli u file e cabanga ukuti, u letile amazwi amahle, mina nga m bamba, nga m bulala eZiklagi, e cabanga ukuba ngi ya kumnika umvuzo ngamazwi.

11 Kakulu kangakani lapo abantu ababi be bulele umuntu olungileyo endhlini yake embedeni wake, imbala a ngi yi kupindisela igazi lake ezandhleni zenu, ngi ni suse nina emhlabeni na?

12 uDavida wa yalela izinziswa zake, za ba bulala, za ba nquma izandhla nezinyawo za zi panyeka ecibini eHebroni, kodwa ba li tata ikanda lika Hish-bosheti ba li mbela etuneni lika Abneri eHebroni.

ISAHLUKO 5.

**K**WA se ku za izizwe zonke za kwa Israeli kuDavida eHebroni. Za ti, bheka, si itambo lako nenyama yako.

2 Futi ngesikati esidhlulileyo, lapo uSauli e inkosi pezu kwetu, kwa ku uwe o wa kipa no wa ngenisa uIsraeli, uJehova wa ti kuwe, wena u ya kondhla abantu bami abaIsraeli, u be induna pezu kuka Israeli.

3 Ngako, zonke izikulu zakwa Israeli za fika enkosini eHebroni, inkosi uDavida wenza isivumelwano nazo eHebroni ngapambi kuka Jehova ba m gcoba uDavida a be inkosi pezu kuka Israeli.

4 uDavida wa e neminyaka e ngamashumi amatatu lapo e qala ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amane.

5 Wa busa eHebroni pezu kweJuda iminyaka e yisikombisa nezinyanga ezi isitupa, eJerusalem wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nautatu pezu kweIsraeli lonke neJuda.

6 Inkosi nabantu bayo ba ya eJerusalem kumaJebusi, abantu ba ku lelo 'zwe, ba kuluma kuDavida be ti, a u so ze wa ngena lapa, aba izimpumpute nabagugayo, ba za ku vimbela, be cabanga ukuti, uDavida a namandhla ukungena.

7 Noko uDavida wa nqoba inqaba e lukuni eZioni; e li ngumuzi ka Davida.

8 Wa ti uDavida ngalolo 'suku bona aba fikela ngasezintubeni zamanzi, be bulala amaJebusi naba gugileyo naba izimpumpute aba zondwa umpefumlo ka Davida yena u za kuba induna, ngako bona ba ti, aba izimpumpute naba-gugileyo a ba yi kungena endhlini.

9 uDavida wa hlala enqabeni, wa i biza ngokuti umuzi ka Davida, uDavida wa waka kona wa qala eMilo nangapakati.

10 uDavida wa qubeka njalo wa ba 'mkulu, uJehova inkosi yamabandhla wa e naye.

11 uHiramu, inkosi yaseTire wa tuma izigijimi kuDavida nemiti yesedare nababazi nabaka ngesitini, bakela uDavida indhlu.

12 uDavida wa bona ukuba uJehova u m misile a be inkosi pezu kuka Israeli, nokuba u kulisile umbuso wake ngenxa yabantu bake abaIsraeli.

13 uDavida wa pinda wa tata izintombi nabafazi eJerusema, e se buyile eHebroni, wa zalelwa amadodana, namadodakazi uDavida.

14 Amagama abo aba zalelwa yena eJerusema a e nguShamua noShobabi, noNataui noSolomona.

15 NoIbha, noElishua, noNefegi, noJafia.

16 NoElishama, noEliada, noElifaleti.

17 Lapo amaFilisti e se zwile ukuba ba m gcobele a be inkosi pezu kweIsraeli, onke amaFilisti a kupuka ukufuna uDavida. uDavida e se zwile loko, wehlela enqabeni.

18 AmaFilisti e za, a hlakazeka esigodini sonke sa seRefa.

19 uDavida wa buza kuJehova, wa ti, ngi kupukele kumaFilisti na? U ya kuba nikela esandhleni sami na? uJehova wa ti kuDavida kupuka, ngokuba impela ngi ya kubanikela esandhleni sako.

20 uDavida wa fika eBaal-perazimu. uDavida wa ba tyaya kona, wa ti uJehova u bobokele eziteni zani, ngapambi kwami njengokuboboka kwamanzi, ngako wa i biza leyo 'ndawo iBaal-perazimu.

21 Ba shiya izitombe zabo lapo, uDavida nabantu bake ba zi tyisa.

22 AmaFilisti a kupuka futi, a hlakazeka esigodini saseRefa.

23 Lapo uDavida e buza kuJehova, wa

ti yena, a u yi kukupuka, kodwa ba ngamlele ngemuva, u fike kubo ngasemitini yamajikijolo;

24 Ukuze ku ti lapo u zwa umsindo wokuhamba ezihllokweni zemiti yamajikijolo, konake u zi hlomise, ngokuba ngaleso 'sikati uJehova u ya kunandulela ukubulala isixuku samaFilisti.

25 uDavida wa kwenza loko, njengokutyo kukaJehova, wa bulala amaFilisti, ku suka eGeba ku ze ku fike eGezeri.

ISAHLUKO 6.

U DAVIDA wa buta bonke abaketiweyo bakwa Israeli, izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu.

2 uDavida wesuka wa hamba nabantu bonke aba be naye, be vela eBala, lase-Juda, be ya ku kupula kona umpongolo kaTixo, ogana lawo li bizwa ngegana likaJehova wamabandhla o hlala pakati kwamakerubi.

3 Ba beka umpongolo ka Tixo pezu kwengqumbane entya, ba wu kipa endhlini ka Abinadabi e ya i seGibea. uUza noAhio, amadodana ka Abinadabi a tyayela ingqumbane entya.

4 Ba wu kipa endhlini ka Abinadabi e ya i seGibea, ba belekezela umpongolo ka Tixo, uAhio wa hamba ngapambili kompongolo.

5 uDavida nendhlu yonke ka Israeli ba tyaya ngapambi kuka Jehova izinhlobo zonke zezingubu e zenziwe ngeniti yefire, ngamarubo nangemiqangala, nangemityingo nangezinkoka, nangobuxaka.

6 Kwa ti se be fikile esibuyeni sika Nekoni, uUza we lula isandhla empogolweni ka Tixo, wa u bamba ngokuba izinkabi za zi u zamazisa.

7 Ulaka luka Jehova lwa vuta kuUza, uTixo wa m tyaya ngenxa yesono sake, wa fa kona lapo eduze nompongolo ka Tixo.

8 uDavida wa dabuka ngokuba uJehova wenza isibobo kuUza, wa qamba leyo 'ndawo ngokuti Perizuza ku ze ku be namhla.

9 uDavida wesaba uJehova ngalolo 'suku, wa ti, umpongolo ka Tixo u ya kuya kanjani kimina na?

10 Ngako uDavida ka u qubelanga umpongolo ka Jehova emizini ka Davida, kodwa uDavida wa u buyisela ecaleni, endhlini ka Obed-Edomi, umGiti.

11 Umpongolo ka Jehova wa hlala endhlini ka Obed-Edomi umGiti izi-

nyanga ezintatu, uJehova wa busisa uObed-Edomi nayo yonke indhlu yake.

12 Kwa tyelwa inkosi uDavida, ukuti uJehova u busisile indhlu ka Obed-Edomi nako konke okwake ngenxa yompongolo kaTixo, ngako uDavida wa hamba, wa kupula umpongolo ka Tixo endhlini ka Obed-Edomi wa u yisa emzini ka Davida ngokujabula.

13 Kwa ba njalo lapo se be twele umpongolo ka Jehova ibangana, wa hlabazinkabi, namatole.

14 uDavida wa sina ngapambi kuka Jehova ngamandhla onke ake, uDavida wa e goke iefodi lelineni.

15 Ngako uDavida nendhlu yonke ka Israeli ba kupula umpongolo ka Jehova, ngokumemeza nangomsindo wetilongo.

16 Kwa ti lapo u ngenayo umpongolo ka Jehova emzini ka Davida, uMikali, indokazi ka Sauli wa lunguza esibukweni, wa bona inkosi uDavida i ngqibita, i sina ngapambi kuka Jehova, wa m dela enhliziyweni yake.

17 Ba ngenisa umpongolo ka Jehova, ba u beka endaweni yawo, ngapakati kwetabanekela elenzelwe wona uDavida, wa nikela iminikelo etyisiweyo, neminikelo yokutula, ngapambi kuka Jehova.

18 Kwa ti uDavida e se qedile iminikelo etyisiweyo, neminikelo yokutula ngapambi kuka Jehova, wa busisa abantu egameni lika Jehova wamabandhla.

19 Wa babela bonke abantu esixukwini sonke sakwa Israeli abesifazana kanye namadoda kwa ilowo uezu lwesinkwa, nenyama, nekomityi lewaini, ngako abantu bonke ba buyela kwa ilowo endhlini yake.

20 Wa se buya uDavida ukubusisa indhlu yake, noMikali indokazi ka Sauli wa puma ukuhlangabeza uDavida, wa ti, ya dunyiswa kakulu namhla inkosi yakwa Israeli e ya zikumula namhla izingubo zayo emehlweni ezintombi zezineeku zayo, ya zikumula njengomunye o ziqenyayo kabi.

21 uDavida wa ti kuMikali kwa ku ngapambi kuka Jehova o wa ngi keta kuqala ku noyihlo, nangapambi kwendhlu yake yonke ukungibisa ngi be umbusi pezu kwabantu bonke baka Jehova, pezu kwIsraeli ngako ngi zo dhlala pambi kuka Jehova.

22 Ng'i ya kuqubeka futi ngobubi ku ualoku, ngi mubi nasemehlweni ami,

nasemehlweni ezintombi, o kuluma ngazo, kuzona ngi ya ku dunyiswa.

23 Ngako uMikali, indodakazi ka Sauli a ka zalanga umntwana kwa za kwaba usuku lokufa kwake.

ISAHLUKO 7.

**K**WA tike lapo inkosi i hlezi endhlini yayo noJehova e yi pumuzile ezindaweni zonke eziteni zayo.

2 Kwa ti inkosi ya ti kuNatani umprofiti, bheka manje, ngi hlezi endhlini e yakiwe ngesedare, kodwa umpongolo ka Tixo u hlezi ngapakati kwezindwangu.

3 Wa ti uNatani enkosini hamba, wenze konke oku senhliziyweni yako, ngokuba uJehova u nawe.

4 Kwa ti ngalobo 'busuku izwi lika Jehova la fika kuNatani, li ti,

5 Hamba u tyele ineeuku yami uDavida, u ti, uJehova U ya kungakela indhlu, ukuba ngi hlale kuyo na ?

6 Ngokuba a ngi hlalanga endhlini se loku nga kupula abantwana baka Israeli Egipite, ku ze ku be namhla, kodwa ngi hambile etenteni na sopahleni kupela.

7 Kuzo zonke izindawo e ngi liambe kuzo, nabo bonke abantwana, baka Israeli, ngake nga kuluma izwi kuyo imindeni yakwa Israeli e nga tyo kuyo ukuti, ma i nike abantu bami uIsraeli ukudhla nga ti a ni ngakeli ngani indhlu yesedare na ?

8 Ngako ke u ya kutyo encekwini yami uDavida, u ti, u tyo njalo uJehova wamabandhla, nga ku kipa esibayeni sezimvu, nasekulandeleni izimvu ukuba u be inkosi pezu kwabantu bami, pezu kweIsraeli.

9 Futi, nga ngi nawe kuyo yonke indawo o wa hamba kuyo, nga nquma zonke izita zako emehlweni ako, nga kwenza u be negama elikulu njengegama labantu abakulu aba senhlabeni.

10 Futi ngi ya kumisa indawo yabantu bami uIsraeli, ngi ba tyele ukuba ba hlale endaweni yabo, ba nga be be sa qubeka, ba nga be be sa hlutywa abantwana bobubi, futi njengakuqala.

11 Se loku kwa qala ngesikati e nga misa ngaso ababusi pezu kwabantu bami abaIsraeli, ngi kwenzile ukuba u pumele kuzo zonke izita zako. Futi uJehova, u ya kutyela ukuba u ya kukwenzela indhlu.

12 Lapo iziusuku zako se zi pelile, u ya kulala noyihlo nawe, ngi ya kumisa

inzalo yako emva kwako e ya ku puma ematunjini ako, futi ngi ya kuqinisa umbuso wake.

13 U ya kwakela igama lami indhlu, futi ngi ya kuqinisa isihlalo sobokosi sombuso wake ku ze ku be pakade.

14 Ngi ya kuba uyise, naye u ya kuba indodana yami: uma enza okubi, ngi ya kumtyaya ngenduku yabantu nangenyimivmo yabantwana babantu.

15 Kodwa umusa wami a u yi kusuka kuye njengokususa kwami unusa kuSauli e nga m susa ngapambi kwako.

16 Indhlu yako nombuso wako u ya kumiswa njalo ngapambi kwako, ubukosi bako bu ya kuma ku ze ku be pakade.

17 Njengawo onke lawamazwi, nanjanganaso sonke lesi 'sibonakaliso, uNatani wa kuluma kuDavida.

18 Ya se i ngena inkosi uDavida ya hlala ngapambi kuka Jehova, ya ti, ngi ubani mina Jehova, Tixo, nendhlu yami i yini, ukuze u ngi lete lapa ?

19 Loku kwa ku into encane emehlweni ako Jehova, Nkosi, kodwa u kulumile futi ngendhlu yeneeku yako ku ze ku be isikati eside esizayo, ku ukuba wabantu Jehova, Tixo, na ?

20 uDavida a nga tini futi kuwe na? ngokuba wena Jehova, Tixo, u ya yazi ineeuku yako.

21 Ngenxa yegama lako nangenhliziyoyako wenzile zonke lezi 'zinto ezinkulu ukwenzela ineeuku yako ukuba i zazi.

22 Ngako umkulu Jehova Tixo ngokuba akuko o fana nawe; ayiko futi enye inkosi ngapambi kwako njengako konke e si ku zwileyo ngezindhlebe zetu.

23 I si pi isizwe nesi sodwa emhlabeni esi njengabantu bako, bona abakwa Israeli, aba kululwa Inkosi ukuba ba be abantu bayo, noku m enzela igama, nokukwenzela izinto ezinkulu nezesabekayo, ngenxa yezwe lako, ngapambi kwabantu bako o wa ba kululwa wena Egipite, ezizweni na sezitombeni zazo.

24 Ngokuba wa ziqinisele abantu bako abaIsraeli ukuba ba be abako ku ze ku be pakade: wena, Jehova u zenzile u be uTixo wabo.

25 Manje Nkosi Tixo, izwi o li kulumileyo ngenceku yako, nangendhlu yayo li qinise ku be ungunapakade, wenze njengokutyo kwako.

26 Wenze igama lako li be likulu nja-  
lo, li ti, uJehova wamabandhla u Inkosi  
pezu kweIsraeli: nendhlu yenceku yako  
uDavida i me njalo, ngapambi kwako.

27 Ngokuba wena, Jehova wamaba-  
ndhla Tixo ka Israeli, u tyilo encekwini  
yako, wa ti, ngi ya kukwakela indhlu:  
ngako inceku yako i tolile enhliziyweni  
yayo ukukuleka loku kuwe.

28 Manje Jehova Tixo, wena u inkosi  
namazwi ako a qinile, u tembisile loku  
okuhle encekwini yako.

29 Ngako manje ma u busise indhlu  
yenceku yako ukuba i me njalo ngam-  
pambi kwako, ngokuba wena Jehova  
Tixo u ku kulumile njengesibusiso sako,  
indhlu yenceku yako ma i busiswe ku  
ze ku be pakade.

### ISAHLUKO 8.

**K**WA ti ngasemva kwaloku uDavida  
wa tyaya amaFilisti, wa wa hlula,  
uDavida wa tata iMeteg-Anima esa-  
ndhleni samaFilisti.

2 Wa tyaya iMoabi, wa ba linganisa  
ngentambo, wa ba lalisa emhlabatini wa  
ba linganisa ngezintambo ezimbili ukub-  
abulala nangentambo enye e peleleyo,  
ukuba pilisa. Ngako aba seMoabi ba ba  
izineeku zika Davida ba leta izipo.

3 uDavida wa tyaya uHadadeza, indo-  
dana ka Rehobi, inkosi yaseZoba, eku-  
hambeni kwake ukulilasele emfuleni  
uUfrate.

4 uDavida wa tata kuye, izinqola ezi  
inkulungwane, naba kwel 'amahashi  
aba ngamakulu a isikombisa, naba ha-  
mba ngezinyawo izinkulungwane ezi  
ngamashumi amabili, uDavida wa nqu-  
ma imisipa yawo onke amalashi ezinqo-  
la, kodwa wa shiya kuwo a nele izinqola  
ezi ikulu.

5 Lapo amaSiria aseDamaseku a fika  
ukusiza uHadadeza, inkosi yaseZoba,  
uDavida wa bulala abantu aba zinkulu-  
ngwane ezi ngamashumi amabili na-  
mbili kumaSiria.

6 uDavida wa ngenisa amabuto eSiria  
laseDamaseku, amaSiria a ba izineeku  
zika Davida, a leta izipo. uJehova wa  
m londa uDavida kuyo yonke indhlela a  
hamba ngayo.

7 uDavida wa tata izihlangu zegolide  
eza zi sezinekwini zika Hadadeza, wa zi  
leta eJerusalema.

8 uDavida inkosi wa tata itusi eliningi  
eBeta naseBerotai imizi ka Hadadeza.

9 Lapo uToi inkosi yaseHamati, e zwa

ukuti, uDavida u bulele yonke impi ya-  
kwa Hadadeza.

10 uToi wa tuma uJoram u indodana  
yake kuDavida inkosi, ukumbingelela  
nokumbusisa, ngokuba wa e lwile no-  
Hadadeza wa e kade e lwa noToi. uJoram  
wa pata izitya zesiliva, nezitya zegolide  
nezitya zetusi.

11 uDavida, inkosi, a zi nika uJehova  
kanye nesiliva negolide a e li tatile kuzo  
zonke izizwe a e za hlulile;

12 eSiria naseMoabi, nakubantwana  
baka Amoni, nakumaFilisti na seAma-  
leki; nempango ka Hadadeza indodana  
ka Rehobi, inkosi yaseZoba.

13 uDavida wa zenzela igama ekubu-  
yeni kwake ukubulala amaSiria esigo-  
dini sika saoti, be ngamadoda a zinku-  
lungwane ezi ishumi nesishiyagalombili.

14 Wa beka amabuto eEdomi, kulo  
iEdomi lonke wa beka amabuto, nabo  
bonke aba seEdomi ba ba izineeku zika  
Davida, uJehova wa busisa uDavida ko-  
nke lapa e ya kona.

15 uDavida wa busa abaIsraeli bonke,  
uDavida wenza ukwahlula nokulunga  
kubantu bonke bake.

16 uJoabi, indodana ka Zerua' wa e  
pezu kwempi noJehoshafati, indodana  
ka Ahiludi wa e umbali.

17 uZadoki indodana ka Ahitubi no-  
Ahimeleki, indodana ka Abiata ba be  
abapristi, uSeraia wa e umbali.

18 uBenaia indodana ka Jehoida wa e  
pezu kwamaKereti, namaPeleti, nama-  
dodana ka Davida a e izinduna ezi-  
nkulu.

### ISAHLUKO 9.

**W**A ti uDavida, u se kona oseleyo  
endhlini ka Sauli, ukuba ngi be no-  
musa kuye, ngenxa ka Jonatani na?

2 Kwa ku kona o wendhlu ka Sauli  
inceku igama layo la li nguZiba. Lapo se  
be m bizele kuDavida, inkosi ya ti kuye  
u nguZiba wena na? Wa pendula wa ti,  
Inceku yako i nguye.

3 Ya ti inkosi amuko omunye we-  
ndhlu ka Sauli ukuba ngenze umusa ka  
Tixo kuye na? uZiba wa ti enkosini,  
uJonatani u nendodana e unyonga ezi-  
nyaweni zayo.

4 Ya ti inkosi, u pi na? uZiba wa ti  
enkosini bleka u sendhlini kaMakiri  
indodana ka Amnifei, eLodeba.

5 uDavida inkosi wa tuma wa m kipa  
endhlini ka Makiri indodana ka Amni-  
eli eLodeba.



6 Lapo uMefibosheti, indodana ka Jonatani indodana ka Sauli e fika kuDavida, wa wa ebusweni bake, wa bonga. uDavida wa ti, Mefibosheti, Wa pendula, wa ti, bheka inceku yako!

7 uDavida wa ti kuye, u ngesabi, ngokuba impela ngi ya kuba nomusa kuwe ngenxa ka Jonatani uyihlo, ngo buyise-la kuwe lonke izwe lika Sauli uyihlo, u ya kudhla isinkwa etebuleni lami njalo njalo.

8 Wa zikotamisa wa ti, i yini ineeuku yako ukuba u bhekeinja e filayo, nje ngami na?

9 Inkosi ya se biza uZiba, inceku ka Sauli ya ti kuye, ngi nikele indodana yenkosi yako konke o kuka Sauli no kwendhlu yake yonke.

10 Wena namadodana ako nezinceku zako ni ya ku m limela umhlabati, u ya kuleta izitelo ukuze indodana yenkosi yako i be nokudhla kokudhla, kodwa uMefibosheti indodana yenkosi yako u ya kudhla isinkwa njalo njalo etebuleni lami. uZiba wa e namadodana a ishumi nesihlanu nezinceku ezingamashumi amabili.

11 uZiba wa ti enkosini, inceku yako i ya kwenza njengako konke eku tyiwo inkosi yami, inkosi, encekwini yayo, Ya ti inkosi kodwa uMefibosheti u ya kudhla etebuleni lami njengenye yamadodana enkosi.

12 uMefibosheti wa e nendodana encinyane igama layo, la li nguMika, bonke aba be hlala endhlini ka Ziba ba be izinceku zika Mefibosheti.

13 uMefibosheti wa hlala eJerusalema, ngokuba wa dhla njalo etebuleni lenkosi, e unyonga ezinyaweni zake zombili.

#### ISAHLUKO 10.

**K**WA ti emva kwaloku inkosi yabantwana bakwa Amoni ya fa. uHanuni indodana yake, wa busa esikundhleni sake.

2 Wa ti uDavida ngi ya kuba nomusa ku Hanuni, indodana ka Nahashi nje ngaloku uyise wenza umusa kimina, uDavida wa tumela izinceku zake ukumduduzisa ngenxa ka Yise. Izinceku zika Davida za fika ezweni labantwana bakwa Amoni.

3 Amakosana abantwana bakwa Amoni a ti kuHanuni, inkosi yawo, u ti wena uDavida u ya m dumisa uyihlo ngokutumela abaduduzi kuwe na? Imbala uDavida a tumanga izinceku

zake kuwe ukubhekisisa umuzi nokuwuhlola, nokuwudiliza na?

4 Ngako uHanuni wa tabata izinceku zika Davida wa zi gunda inxenye yezi-levu zazo, wa zi nquma izingubo zazo pakati, kwa ze kwa fika ezinkabeni, wa zi mukisa.

5 Se be m tyelile uDavida loku, wa tuma abokuhlangabeza, ngokuba lawo madoda a e namahloni kakulu. Inkosi ya ti, hlalani eJeriko ku ze ku hlume izilevu zenu, be se ni ya buya.

6 Lapo abantwana bakwa Amoni be bona ukuba ba ya nuka ngapambi kuka Davida, abantwana bakwa Amoni ba tuma, ba biza ngokutela amaSiria a seZoba, aba hamba ngezinyawo be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, na benkosi uMeka amadoda a inkulungwane, nabaka Ish-tobi amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nambili.

7 uDavida se e zwile loku, wa tuma uJoabi nempu yonke yamaqawe.

8 Abantwana bakwa Amoni ba tuma, ba hlala impi ekungenei kwesango, amaSiria a seZoba naba seRehobi, nabakwa Ish-tobi, nabakwa Meka ba be bodwa endhle.

9 Lapo uJoabi e bona ukuba izimpundo zempi zi m raqile ngapambili, nangesemva, wa keta amadoda a qinileyo kubo bonke abakwa Israeli, wa ba misa, ba bhekana namaSiria.

10 Abantu abaseleyo wa ba nikela esandhleni sika Abishai umfo wabo, ukuba a ba mise ba bhekane nabantwana bakwa Amoni.

11 Wa ti, Uma amaSiria e ngahlula, wena u ya ku ngi siza, kodwa una abantwana baka Amoni be kwahlula, ngi ya kufika ngi ku size.

12 Qinani, ui bonakalise amandhla enu, ngabantu bakiti, nemizi ka Tixo wetu, uJehova u za kwenza okuhle kuye.

13 uJoabi wa sondela nabantu aba be naye, e ya kulwa namaSiria, a m balekela.

14 Lapo abantwana baka Amoni be bona ukuba amaSiria a balekile, ba baleka nabo pambi kuka Abishai, ba ngena emuzini. uJoabi wa buya kubantwana baka Amoni, weza eJerusalema.

15 AmaSiria e se bonile ukuba a tyayiyiwe pambi kuka Israeli a butana ndawonye.

16 uHadareza wa tuma, wa leta ama-

Siria, a e ngapesheya komfula, a fika eHelamu, noShobaki induna yempi ka Hadareza, wa hamba pambi kwabo.

17 Lepo e se tyeliwe uDavida, wa buta aba kaIsraeli bonke, wa wela iJordani, wa fika eHelamu, anaSiria a zi hlela a lwa noDavida.

18 AnaSiria a ba balekela abakaIsraeli uDavida wa bulala amadoda ezinqola a seSiria amakulu a isikombisa nabantu bamahashi a ba izinkulungwane ezingamashumi amane, wa m tyaya uShobaki, induna yempi yabo, wa fa kona lapo.

19 Lapo onke amakosi a e izinceku zika Hadareza, e bona ukuba u hluliwe, pambi kuka Israeli, a tela kwabakwa Israeli, a konza kubo. Ngako anaSiria e saba ukusiza abantwana baka Amoni futi.

ISAHLUKO 11.

**K**WA ti, emva kokupela komnyaka, ngesikati sokuhlasela kwamakosi, uDavida wa tuma uJoabi nezinceku zake kanye naye abakaIsraeli bonke, ba bulala abantwana baka Amoni, ba vimbezela iRaba. Kepa uDavida wa hlala eJerusalema.

2 Kwa ti kusihlwa, uDavida wa vuka embedeni wake, wa hamba pezu kopahla lwendhlu yenkosi, e se pezulu kopahla, wa bona o wesifazana, e geza, o wesifazana wa e mhle kakulu, eku-bukekeni.

3 uDavida wa tuma, wa buza ngomfazi. Omunye wa ti a si ye uBathsheba indodakazi ka Eliamu umka Uria umHiti na?

4 uDavida wa tuma izigijimi, wa m tata, wa ngena kuye, wa lala naye; yenake e se hlaunbululekile ehubini bake, wa buyela ekaya.

5 Wa kulelwa umfazi, wa tuma wa m tyela uDavida wa ti, se ngi kulelwe.

6 uDavida wa tuma kuJoabi wa ti, ngi tumele uUria umHiti, uJoabi wa tuma uUria kuDavida.

7 E se fikile uUria kuye, uDavida wa m buza ukuba uJoabi u njani nabantu ba njani nokuba impi yenze njani.

8 uDavida wa ti kuUria, ehlela endhlini yako, u geze izinyawo zako, uUria wa puma endhlini yenkosi wa landelwa ukudhla ku vela enkosini.

9 Kepake uUria wa lala emnyango wendhlu yenkosi kanye nezinceku zonke zenkosi yake a kehlalanga endhlini yake.

10 Lapo se be m tyelile uDavida, be ti, uUria a kehlalanga endhlini yake, uDavida wa ti kuUria, a u buyanga ekuhambeni kwako, a wehlelanga ngani endhlini yako na?

11 uUria wa ti kuDavida, Umpongolo wenkosi noIsraeli noJuda ba hlezi kontente, nenkosi yami uJoabi nezinceku zenkosi yami zi hlezi obala endhle, ngi ya kuya endhlini yami, ukudhla nokupuzza nokulala nomfazi wami na? ukuphila kwako nokuphila kompefumlo wako a ngi yi kuyenza lento.

12 uDavida wa ti kuye uUria, hlala lapa namhla ngomuso ngi ya kukuledelela. Ngako uUria wa hlala eJerusalema ngalolo suku nangangomso futi.

13 Lapo uDavida e m bizile, wa dhla, wa puza pambi kwake, wa dakwa, kusihlwa wa puma ukulala embedeni wake kanye nezinceku zenkosi yake, kepa a kehlalanga endhlini yake.

14 Kwa ti kusasa uDavida wa loba inewadi kuJoabi wa i tumela ngesandhla sika Uria.

15 Wa loba enwadini wa ti, misa uUria pambili, lapo impi i tyisa kona, nina ni buyele emva ni m shiye ukuze a tyaywe a fe.

16 Kwa ti uJoabi e se u bhekisisile umuzi, wa m misa uUria endaweni lapo azi ukuti, ku kona amaqawe.

17 Amadoda omuzi a puna a lwa noJoabi, kwa wa abanye abantu beziuceku zika Davida uUria umHiti wa fa naye.

18 uJoabi wa tuma wa m bikela uDavida konke okwenzekileyo empini.

19 Wa ti esigijimini, lapo u su geinile ukuyityela inkosi ngezindaba zempi,

20 Nxa lu vuka ulaka lwenkosi, i ti kuwe, ni sondeleleni kangaka emuzini ekulweni kwenu na? Be ni ngazi ini ukuba ba uga eibityela be sodongeni na?

21 uAbimeleki, indodana ka Jerubesheti wa bulawa ubani na? A ka bulawanga o wesifazana, e ponsa itye pezu kwake esodongeni, wa wa eTebezi na? ni sondeleleni odongeni na? u tike wena, uUria umHiti ineeku yako, u file naye.

22 Sa hamba isigijimi, sa m tyela uDavida konke e sa si kutunyelwe uJoabi.

23 Isigijimi sa ti kuDavida amadoda a sehlulile, a si fikela endhle, nati sa ba seduze nabo, sa za sa fika ekunge-neni kwesango.

24 Abacibityelayo, ba cibityela izinceku zako be sodongeni nezinye izinceku zenkosi zi file, nenceku yako uUria umHiti u file.

25 uDavida wa ti esigijimini, wo ti ku-Joabi, lento ma i nga ku hlupi ngokuba inkemba i bulela omunye njengomunye, qinisa impi yako ngasemuzini u wu wise, u m jabulise wena.

26 Lapo umka Uria e zwa ukuba uUria indoda yake u file, wa i kalela indoda yake.

27 Kwa ti se ku pelile ukukala, uDavida wa m leta endhlini yake, wa ba umkake, wa m zalela indodana kodwa into e ya yenziwe uDavida ya imbi emehlweni ka Jehova.

### ISIAHLUKO 12.

**UJEHOVA** wa tuma uNatani kuDavida. Wa fika kuye, wa ti, kwa ku kona amadoda amabili emuzini munye, enye i eebile, enye impoftu.

2 Ecebileyo ya i nemihlambi eminingi yezimvu nezinkomo.

3 Kodwa empofu ya i nge naluto i nemvana encane kupela, a e yondhlile yena, ya kulela kuye, na kubantwana bake ya dhla ukudhla kwake, ya puza esityeni sake, ya lala esifubeni sake, ya ba kuye kungati indodakazi yake.

4 Kwa fika isihambi ku lowomuntu ocebileyo, a ka tatanga emihlambini yake ukuhlabela lesa 'sihambi esa fika kuye, kodwa wa tata imvana yomuntu ompofu wa i hlabela umuntu o wa e fike kuye.

5 uDavida wa tukutela kakulu ngalowo 'muntu, wa ti kuNatani, ukupila ku-ka Jehova, umuntu o kwenzile loku u ya kufa impela.

6 U ya kubuyisa leyo 'mvana ngokunye, ngokuba wa yenza lento ngokuba wa e nge nambau.

7 uNatani wa ti kuDavida, uwenalowo 'muntu. U tyo njalo uJehova, uTixo wakwa Israeli, nga ku geoba u be inkosi pezu kwabaIsraeli, nga ku kulula esandhleni sika Sauli.

8 Nga ku nika indhlu yenkosi yako, nabafazi benkosi yako esifubeni sako, nga ku nika indhlu yakwa Israeli neyakaJuda, uma kwa ku nganele loko, nga ngi ya ku kunika izinto ezinye nezinye.

9 Ku ngani ukuba u pulile isimemezelo sika Jehova ukwenza okubi emehlweni ake, u bulele uUria umHiti nge-

nkemba, u tatile umkake a be umfazi wako, u m bulele ngenkemba yabantwana baka Amoni.

10 Ngako inkemba a i yi kusuka nakanye endhlini yako, ngokuba u ngi delile mina, wa tata umka Uria umHiti a be umkako.

11 U ti uJehova, bheka ngi ya kuvusa ububi kuwe endhlini yako, ngi ya kutata abafazi bako emehlweni ako, ngi banike umakelwane wako, a lale nabafazi bako ekukanyeni kwa leli 'langa.

12 Ngokuba wena wa kwenza ngasese, mina ngi ya ku yenza lento pambi kuka Israeli wonke napambi kwelanga.

13 uDavida wa ti kuNatani ngonile pambi kuka Jehova, uNatani wa ti kuDavida, uJehova u susile isono sako, a u yi kufa.

14 Kodwa ngokuba ngaloku 'kwenza wenza ituba lokuba izifa zika Jehova zi m dele, umntwana o zalelwa wena, u ya kufa impela.

15 uNatani wa buyela endhlini yake, uJehova wa tyaya umntwana o wa zalelwa uDavida umka Uria, wa gula kakulu.

16 uDavida wa ncenga uTixo ngomntwana, uDavida wa zila ukudhla, wa ngena wa lala emhlabatini bonke ubusuku.

17 Abakulu bendhlu yake ba suka ba ya kuye uku m vusa emhlabatini, kodwa a ka vumanga, futi a ka dhlanga ukudhla kanye nabo.

18 Kwa ti ngosuku lwesikombisa umntwana wa fa, izinceku zika Davida zesaba ukumtyela ukuba umntwana u file, ngokuba za ti, bheka umntwana e sa pilile, sa kuluma kuye, a ka li lalalanga izwi letu, po, u ya ku katazeka kangakanani, uma si m tyela ukuti umntwana u file na?

19 Kodwa uDavida e bona izinceku zake zi nyenyeza, uDavida wa bona ukuba umntwana u file, ngako uDavida wa ti ezincekwini zake, u file umntwana na? Za ti, u file.

20 Wa se e vuka uDavida emhlabatini wa geza, wa zigcoba, wa faka ezinye izingubo, wa ngena endhlini ka Jehova, wa dumisa, wa se fika kwe yake indhlu lapo e se funa ba beke ukudhla pambi kwake, wa dhla.

21 Za ti izinceku zake kuye, Intoni le o yenzileyo na? Wa m lilela umntwana e se kona, kodwa lapo e se file wa vuka wa dhla isinkwa!

22 Wa ti yena, Umntwana e se kona, nga zila ukudhla, nga kala, ngokuba nga ti ubani o waziyo ingabe uTixo u ya kuba nomusa kimi umntwana a pile na?

23 Kodwa njengokuba u se file yena, ngi ya kuzilelani ukudhla na? Ngi nga m buyisa na? Mina ngi ya kuya kuye, kodwa yena a ka yi ku buyela kimi.

24 uDavida wa duduza uBathsheba umkake, wa ugena kuye, wa lala naye, wa zala indodana wa i biza ngokuti uSolomona uJehova wa m tanda.

25 Wa tuma ngesandhla sika Natani unprofeti, wa m biza ngokuti, uJedidia ngenxa ka Jehova.

26 uJoabi wa lwa neRaba, labantwana baka Amoni wa tata umuzi wobukosi.

27 uJoabi wa tuma izigijimi kuDavida wa ti ngi lwile neRaba, nga tata umuzi wamanzi.

28 Ngakoke butela abantu abaseleyo ndawonye, u mise ngasemuzini, u wu tate, funa ngi wu tate, u bizwe ngegama lami.

29 uDavida wa butela abantu bonke ndawonye, wa ya eRaba wa lwa nalo, wa li nqoba.

30 Wa tata umqele wenkosi yabo ekanda layo isisindo sawo sa si italenta legolide namatye a nenani, wa bekwa ekanda lika Davida. Wa kipa impango eningi ku lowo 'muzi.

31 Wa kipa futi abantu aba be kuwo, wa ba beka pansi kwamasaha na ngapansi kwamazembe ensimbi, na ngapansi kwamazembe ensimbi, wa benza futi ukuba ba dhlule endhlini yesitini wenze njalo emizini yonke yabantwana baka Amoni. Ngako uDavida nabantu bonke ba buyela eJerusalem.

ISAHLUKO 13.

**K**WA ti emva kwaloku uAbsalomu indodana ka Davida, wa ye nodade wabo omuhle ogama lake linguTema, uAmnoni indodana ka Davida wa m tanda.

2 uAmnoni wa hlupeka kakulu wa za wa gula ngenxa ka dade wabo uTema ngokuba wa e intombi, uAmnoni wa e-banga ukuti ku lukuni ukuba a be no-kwenza into kuye.

3 Kodwa uAmnoni wa e nesihlobo igama laso li nguJonadabi indodana ka Shimea umfo wabo ka Davida, uJonadabi wa e umuntu o nobuqili kakulu.

4 Wa ti kuye, ku ngani ukuba wena,

ndodana yenkosi u zace ngezinsuku zonke u nge ngi tyele na? Wa ti uAmnoni kuye ngi ya m tanda uTema udade wabo ka Absalomu umfo wetu.

5 uJonadabi wa ti kuye, zilalise embedeni wako, u zigulise, lapo nyihlo e za ukukubona, u ti kuye, ngi ya kuleka, ma ke ze uTema udade wetu, a ngi pe ukudhla, a ku lungise emehlweni ami ukuze ngi ku bone, ngi ku dhle esandhleni sake.

6 Ngako uAmnoni wa lala pansi wa zigulisa lapo inkosi i fika uku m bona, uAmnoni wa ti enkosini, ngi ya kuleka ma ke ze uTema, udade wetu, a ngenzele izinkwana ezimbili emehlweni ami ukuba ngi zi dhle esandhleni sake.

7 uDavida wa tumela kuTema wa ti, hamba u ye endhlini ka Amnoni umne wenu u m lungisele ukudhla.

8 Ngako uTema wa ya endhlini ka Amnoni umne wabo, e lele pansi, wa tata impupu wa i xova, wa zenza izinkwana emehlweni ake, wa zi peka lezo zinkwana.

9 Wa tata isitya wa zi tululela kona ngapambi kwake, kodwa wala ukudhla, wa ti uAmnoni kipa bonke abantu, ba puma bonke kuye.

10 Wa ti uAmnoni kuTema, ku lete endhlini yami yokulala ukudhla, ukuba ngi dhle esandhleni sako. uTema wa tata izinkwana a zenzileyo, wa zi yisa endhlini yokulala ka Amnoni umne wabo.

11 Lapo e zi letile kuye, ukuba a dhle wa m bamba, wa ti kuye, woza u lala nami, dade wetu.

12 Wa m pendula, wa ti, ca, u umfo wetu, musa uku ngi cindezela, ngokuba a ku fanele into e nje yenziwe eIsraeli. Musa ukwenza lobu bubu.

13 Mina ngi ya kulifihlapi ihlazo lami na? wena, u ya kuba omunye weziwala kuba Israeli, ngi ya kuncenga kulumake enkosini a i yi kukunqabela nami.

14 Kodwa a ka li lalanga izwi lake, ngokuba wa e namandhla kunaye wa m cindezela wa lala naye.

15 uAmnoni wa ye se m zonda kakulu, inzondo a m zonda ngayo ya ba nku-lu ku notundo, a e kade e m tanda ngalo. uAmnoni wa ti kuye, vuka u hamb.

16 Wa pendula, wa ti kuye, akuko 'sici, lobu 'lubi bokungimukisa, bukulu ku nokwenzileyo kimina, kodwa a ka m lalanga.

17 Wa se e biza inceku yake e sebe-nza kuye, wa ti, kipa manje lesi 'sifa-zana kimi, u hlutulele umnyango emva kwake.

18 Wa e ngubo, e nemibala emini-nga pezu kwake, ngokuba lezo 'zingubo za zi gqokwa amadodakazi enkosi a izi-ntombi. Inceku yake ya se i m kipa ya hlutulela umnyango emva kwake.

19 uTema wa zitela ngomlota ekanda wa dabula ingubo yake a e yi fakile e nemibala eminingi, wa twala izandhla ekanda, wa hamba e kala.

20 uAbsalomu umne wabo wa ti kuye, uAmnoni umne wenu kade e nawe na? tulake dade wetu, yena u umne wenu u nga yi kataleli lento. Ngako uTema wa hlala yedwa endhlini ka Absalomu umne wabo.

21 Inkosi uDavida se i zwile ngazo zonke lezi 'zinto, ya tukutela kakulu.

22 uAbsalomu a kulumanga luto ku-Amnoni umfo wabo, okuhle, nokubi, ngokuba uAbsalomu wa m zonda uAmnoni ngokuba wa e dumazile uTema uda-de wabo.

23 Kwa ti emva kweminyaka emibili epeleleyo uAbsalomu wa e nabagundi bezinivu eBal-Hazori eduze neEfraimi. uAbsalomu wa mema onke amadodana enkosi.

24 uAbsalomu wa fika enkosini, wa ti, bheka, manje inceku yako i nabagundi, ngi ya kuncenga, inkosi nezinceku zayo ma i hambe nenceku yako.

25 Inkosi ya ti kuAbsalomu, ca ndo-dana yami, ma si nga hambani sonke manje, funa si be umtwalo kuwena. Wa m nxusa, noko inkosi a i hambanga, ya m busisa kupela.

26 Wa tike uAbsalomu, ngi ya kuncenga, uma ku nge njalo dedela umfo wetu uAmnoni a hambe nati, Inkosi ya ti kuye, a hambeleni nawe na?

27 uAbsalomu wa m nxusa wa za wa vuma. uAmnoni namadodana onke enkosi a hamba naye.

28 uAbsalomu wa e se zi yalile izi-nceku zake wa ti, a no qapela isikati lapo inhliziyi ka Amnoni se yenamile iwaini, lapo ngi ti kini, bulalani uAmnoni, ni m bulale ni ngesabi, a ngi ni valelanga na? qinani ni me isibindi.

29 Izinceku zika Absalomu zenza ku-Amnoni njengokuziyala kuka Absalomu: a e se suka onke amadodana enkosi, i lowo wa kwela kweyake imbongo-lo, a baleka.

30 Kwa ti, be se sendhleleni, izwi la fika kuDavida, li ti, uAbsalomu u bulele onke amadodana enkosi a ku salanga neyodwa.

31 Ya suka inkosi ya dabula izingubo zayo, ya lala emhlabatini nezinceku zonke zayo zema eduze, izingubo zazo zi dabukile.

32 uJonadabi indodana ka Shimea umfo wabo kaDavida, wa pendula wa ti, Inkosi yami ma i nga cabangi ukuba u bulele zonke izinsizwa, amadodana enkosi, ngokuba uAmnoni yedwa ofileyo, ngokuba enhliziyweni ka Absalomu loku kwa qala ngosuku a dumaza ngalo udade wabo uTema.

33 Ngako, inkosi yami, inkosi ma i nga hlupeki enhliziyweni yayo ngokucabanga ukuti onke amadodana enkosi a file, ngokuba uAmnoni yedwa ofileyo.

34 uAbsalomu wa baleka. Insizwa e ya i yinhlozi ya pakamisa amehlo ayo, ya buka, bheka, abantu abaningi ba beza ngendhlela entabeni emva kwayo.

35 uJonadabi wa ti enkosini, Bheka a yeza amadodana enkosi, njengokutyo kwenceku yako ku njalo.

36 Kwa ti, e se qedile ukukuluma bheka, a fika amadodana enkosi a pakamisa izwi lawo, a kala, nenkosi nabantu bayo ba kala kakulu.

37 Absalomu wa baleka wa ya kuTalmai, indodana ka Amihudi inkosi yase-Geshuri. uDavida wa lilela indodana yake zonke izinsuku.

38 Njaloke uAbsalomu wa baleka wa ya eGeshuri wa hlala kona iminyaka emitatu.

39 uDavida wa fisa ukuya kuAbsalomu: ngokuba wa e se duduzekile ngoAmnoni e bona ukuba se wa fa yena.

#### ISAHLUKO 14.

UJOABI indodana ka Zerua wa bona ukuba inhliziyi yenkosi i kuAbsalomu.

2 uJoabi wa tumela eTekoa, wa tata kona isifazana esihlakanipileyo, wa ti kuso, ngi ya kuncenga, zenzise u be olilayo, u gqoke izingubo zolilayo, u nga zigcobi ngamafuta kodwa u be njengowesifazana o kade e lilela ofileyo.

3 U fike enkosini u kulume kanje kuyo. Ngako uJoabi wa beka amazwi emloniyeni wake.

4 Lapo o wesifazana waseTekoa wa kuluma enkosini, wa wa ngobuso emhlabatini, wa kuleka wa ti, siza nkosi.

## II. SAMUELI, 14.

5 Ya ti inkosi kuye, u nani na? wa pendula, wa ti, ngi umfelokazi inupela, indoda yami ya fa.

6 Incekukazi yako ya i namadodana amabili, a lwa odwa endhle, a kwa ba ko 'muntu wokubalamula, omunye wa tyaya omunye, wa m bulala.

7 Bheka, indhlu yonke se i vukele incekukazi yako, ba ti, si nike yena o wa bulala umfo wabo, ukuba si m bulale, ngokupila komfo wabo a m bulalayo, si ya ku m bulala umudhli wefa naye, ngako ba ya kucima ilahle lami eli seleyo, ba nga be be sa shiyela indodana yami igama mensalo emhlabeni.

8 Inkosi ya ti kwesifazana, hamba u ye endhlini yako, ngi ya kuyaleza ngawe.

9 Owesifazana wase Tekoa wa ti enkosini, 'Nkosi yami, inkosi, isono ma si be kimi na sendhlini ka baba, ku nga biko icala enkosini na sesihlalweni sayo.

10 Ya ti inkosi, o ku kulumisayo, m lete kimina, a ka yi kupinda a ku tinte.

11 Wa e se ti yena, ngi ya kuncenga, Inkosi ma i kumbule uJehova uTixo wayo, ukuba u nga be u sa vumela aba kalela igazi ukubulala futi funa ba bulale indodana yami; ya ti inkosi ukupila kuka Jehova a ku yi kuwela emhlabatini unwele nolulodwa lwendodana yako.

12 Wa ti owesifazana, ngi ya kuncenga, vumela incekukazi yako, ukuba i kulume izwi li be linye enkosini yami. Inkosi, ya ti, kuluma.

13 Wa ti owesifazana ku ngami ukuba u cabangile into enje ngabantu baka Tixo na? ngokuba inkosi i ya kuluma loku, sengati i nesono, loku inkosi i nga buyiselanga ekaya oxotyweyo wayo.

14 Ngokuba si ya kufa uqobo, si nje ngumanzi a citwa emhlabatini, a nge nakubutwa futi, kanti uTixo a ka keti 'muntu, noko u ya veza icebo lokuba o lahliweyo wake a nga be sa xotywa kuye.

15 Manje, njengaloku ngi fikile ukukuluma ngalento enkosini yami, inkosi, ku ngokuba abantu ba ngesabisile: incekukazi yako ya ti, ngi ya kukuluma enkosini, mhlaambe inkosi i ya ku kwenda oku celwa incekukazi yayo.

16 Ngokuba inkosi i ya kuzwa i sindise incekukazi yayo esandhlileni somuntu o ngi citayo nendodana yami efeni lika Tixo.

17 Ya i si ti incekukazi yako, igama lenkosi yami inkosi, li ya kungipumuza:

ngokuba njengengelosi ka Tixo i njalo inkosi yami, inkosi, ekuqondeni okuhle nokubi, ngako uJehova, uTixo wako, u ya kuba nawe.

18 Inkosi ya pendula ya ti kowesifazana, ngi ya kuleka u nga fihli kimi into e ngi ya ku yi buza kuwe. Owesifazana wa ti, Inkosi yami, inkosi, ma i kuluma.

19 Inkosi ya ti isandhla sika Joabi asiko kuwe kuko konke loku na? Owesifazana wa pendula, wa ti, ukupila kompefumlo wako 'nkosi yami, inkosi, akuko o nga pendukela ngalapa, nangalapa, kuko oku kulunyiwe inkosi yami, inkosi, ngokuba uJoabi ineeke yako u ngi yalezile wa beka onke lawamazwi emlonyeni wencekukazi yako.

20 uJoabi ineeke yako u yenzile lento ukupendukezela ukuma kwendaba; inkosi yami i hlakanipile, njengokuhlakanipa kwengelosi ka Tixo ukuzazi zonke izinto ezi semhlabeni.

21 Inkosi ya ti kuJoabi, bheka, imina o yenzile lento, hamba u buyise insizwa uAbsalomu.

22 uJoabi wa ti mbo ngobuso pansi, wa zikotamisa, wa i bonga inkosi, wa ti, uJoabi, namhla ineeke yako i yazi ukuba ngi tolile umusa emehlweni ako 'nkosi yami, 'nkosi ngokuba inkosi i ku gwalisile oku celwa ineeke yayo.

23 Ngako uJoabi wesuka wa ya Geshuri wa m leta uAbsalomu eJerusalem.

24 Inkosi ya ti, ma ka pendukele endhlini yake, a nga bu boni ubuso bami. Ngako uAbsalomu wa buyela endhlini yake a ka bu bona ubuso benkosi.

25 Kodwa kwa ku nge ko 'muntu kubo bonke abaIsraeli owa batyazwa nje ngoAbsalomu, ngobuhle bake, ku suka onyaweni lwake, kwa geina ekanda lake, kwa ku nge ko siga kuye.

26 Lapo e li gundile ikanda lake, (ngokuba yonke iminyaka, ngoba izinwele zake za zi m sinda, ngako wa zi gunda) wa zi linganisa izinwele zake esikalweni, za lingana namashekele, a ngamakulu amabili ngesikalo senkosi.

27 Kwa zalwa kuAbsalomu amadodana amatata, nendodakazi inye igama layo uTama: ya i ngumuntu o bukeka kahle.

28 uAbsalomu wa hlala eJerusalem iminyaka emibili epeleleyo, e nga bu boni ubuso benkosi.

29 Ngako uAbsalomu wa m biza uJoabi ukuba a m tume enkosini, kodwa a

ka vumanga ukuza ku ye, na lapo e m biza ngokwesibili a ka vumanga ukuza.

30 Ngako wa ti ezincekwini zake, bhekani, insimu ka Joabi i seduze nendawo yami, u nebale kona, hambani ni li tyise. Izinceku zika Absalomu za yi tungela ngomlilo insimu.

31 uJoabi wa sukake wa ya kuAbsalomu endhlini yake, wa ti kuye, izinceku zako zi yi tyiseleni insimu yami ngomlilo na?

32 uAbsalomu wa pendula uJoabi wa ti, bheka nga ku biza nga ti, woza lapa, ukuba ngi ku tume enkosini, ukuti nga tatelwani eGeshuri na? nga ku lungile ukuba ngi se kona namanje. Ma ngi bone ubuso benkosi, uma ku kona ububi kimi, ma ka ngi bulale.

33 Ngako uJoabi wa fika enkosini, wa i tyela. Lapo i si m bizile uAbsalomu wa ya enkosini, wa kotama ngobuso bake emhlabatini pambi kwenkosi ya m anga uAbsalomu.

ISAHLUKO 15.

**K**WA ti emva kwaloku uAbsalomu wa zilungisela inqola namahashi namadoda a ngamashumi a isihlanu ukugijima ngapambi kwake.

2 uAbsalomu wa vuka kusasa wema ngasecaleni lendhlela yesango, ku te lapo e fika umuntu o necala eli ya kute-twa inkosi, uAbsalomu wa m biza, wa ti kuye u ngo wa mupi umuzi na? Wa ti, ineeuku yako i ngowesinye isizwe sakwa Israeli.

3 Wa ti uAbsalomu kuyena, bheka, izindaba zako zi lungile, zi isiminya, kodwa akuko 'muntu wenkosi wokukuzwa.

4 Wa ti futi uAbsalomu, O! ku ngati ngi ngenziwa ngi be umahluli ezweni, una ku kona umuntu o necala no nendaba e ze kimi ngi nga m tetelela kahle.

5 Kwa ba njalo lapa ku fika umuntu, ukukuleka kuye, welula isandhla sake, wa m bamba wa m anga.

6 Wenza njalo uAbsalomu kubaIsraeli bonke aba beza enkosini emacaleni; ngako uAbsalomu wa zeba izinhliziyozabantu bakwa Israeli.

7 Kwa ti emva kweminyaka e ngamashumi amane wa ti uAbsalomu enkosini, ngi ya kuleka, ma ngi hamba ngi feze isifungo sami e nga si funga kuJehova eHebroni.

8 Ngako ineeuku yako ya funga isifu-

ngo ekuhlaleni kwayo eGeshuri laseAramu, nga ti, uma uJehova e ngi buyisela eJerusalema, ngi ya kukonza uJehova.

9 Ya ti inkosi kuye, hamba kahle. Wesuka wa ya eHebroni.

10 uAbsalomu wa tuma izinhlozi kuzo zonke izizwe zakwa Israeli e ti, ekuzweni kwentu ukukala kwetilongo, ni ya kuti, uAbsalomu u ya busa eHebroni.

11 Kwa hamba noAbsalomu amadoda a ngamakulu amabili a e biziwe e puma eJerusalema, a hamba ngokungazi, e ngazi luto.

12 uAbsalomu wa biza uAhitofeli umGiloni, umqondisi ka Davida, emuzini wa kubo eGiloni e sa tyisa iminikelo. Teebo la qina, abantu banda njalo kuAbsalomu.

13 Kwa fika isigijimi kuDavida si ti, izinhliziyozabantu bakwa Israeli zi ku-Absalomu.

14 uDavida wa ti ezincekwini zonke zake e za zi naye eJerusalema, sukani, ma si baleke, ngokuba a si yi kusinda kuAbsalomu nxa si ngenzi njalo, tye-tyani ukuhamba, funa i si fice masinyane, a lete ububi pezu kwetu, a tyaye umuzi ngosiko lwenkamba.

15 Za ti izinceku zenkosi enkosini, bheka izinceku zako zi lungele ukwenza okutyiwo inkosi yetu, inkosi.

16 Inkosi ya hamba i landelwa ibo bonke abendhlu yayo. Inkosi ya shiya abesifazana aba ishumi aba be isitembu ukulinda indhlu.

17 Ya hambake inkosi, ya landelwa abantu bonke, ya hlala endaweni e kude.

18 Izinceku zonke zake za dhlula ecaleni kwake, nawo onke amaKereti, nawo onke amaPeleti, namaGiti onke amadoda a ngamakulu a isitupa a m landela, e suka eGati, a dhlula ngapambi kwenkosi.

19 Inkosi ya ti kuIttai, umGiti, u hambelani nati? Buyela endaweni yako, u hlale nenkosi ngokuba u ngowezizwe noxotyiveyo.

20 Loku u fike izolo, ku lungile ukuba ngi ku tate u hamba nati namhla na? loku ngi ya lapa ngi nga hamba kona, buya wena? u buyise abafu wenu: umusa neqiniso ma ku be nawe.

21 uIttai wa pendula inkosi wa ti, ukupila kuka Jehova, ngokupila kwenkosi yami, inkosi, ku leyo 'ndawo lapo inkosi i ya kuba kona, noma ku sekufeni, noma ku sekupileni kona lapo i ya kuba kona ineeuku yako.

## II. SAMUELI, 16.

22 uDavida wa ti kuIttai, hamba u welele ngapesheya, uIttai umGiti, wa wela, nabantu bonke bake, nezingane zonke eza zi naye.

23 Izwe lonke la kala ngezwi elikulu, nabantu bonke ba wela; nenkosi futi ya wela umfulana iKedroni, nabantu bonke ba wela ngendhlala e ya ehlane.

24 uZadoki, nabaLevi bonke ba be naye, be pete umpongolo wesivumelwano sika Tixo, uAbiata wa kupuka, ba ze ba dhlula bonke abantu emuzini.

25 Inkosi ya ti kuZadoki, buyisela emzini umpongolo ka Tixo, uma ngi tola umusa emehlweni ka Jehova, u ya ku ngi buyisa a ngi kombise wona nendhlu yake.

26 Kodwa uma e ti yena, a ngi jabuli ngawe, bheka, ngi lapa, ma kenze a ku tandayo kimina.

27 Ya ti futi inkosi kuZadoki umpri- sti, a u si ye umazisi na? buyela emzini ngokutula namadodana ako amabili kanye nawe, indodana yako uAhimaazi noJonatani indodana ka Abiata.

28 Bheka ngi ya kuhlala etafeni lasehlane ku ze ku fike izwi eli puma kuwe loku ngi qinisa.

29 Ngako uZadoki noAbiata ba buyisela umpongolo ka Tixo eJerusema, ba hlala kona.

30 uDavida wa kupuka entabeni iOlivet e kala ekukupukeni kwake, e mbozile ikanda lake e nga gqokile ezinyaweni, abantu bonke aba be naye be nboze amakanda abo, ba kupuka be kala ekuhambeni kwabo.

31 Omunye wa tyela uDavida, wa ti, uAhitofeli u kanye naba kwa Absalomu. uDavida, wa ti, Jehova ngi ya kuxusa pendula amazwi ka Ahitofeli a be ubuula.

32 Kwa ti lapo uDavida e se dundubele entabeni wa kona kona uTixo, bheka uHushai umArki wa m hlanga- beza, ibantyi lake li dabukile e nomhlabati ekanda lake.

33 uDavida wa ti kuye, Uma u dhlula kanye nani u ya kuba umtwalo kimi.

34 Kodwa uma u buyela emzini u ti kuAbsalomu ngi ya kuba inceku yako, nkosi kade ngi inceku ka yihlo, ngako ngi za kuba inceku yako, ngaloku 'kwenza kwako u ya ngi qobela amazwi ka Ahitofeli.

35 Akuko kona lapo nawe, uZadoki, noAbiata abapristi na? Ngako ku ya

kuti, o ku zwayo endhlini yenkosi u ku tyele uZadoki noAbiata abapristi.

36 Bheka ku kona kanye nabo amadodana abo amabili uAhimaazi indodana ka Zadoki, noJonatani indodana ka Abiata, nangabo ni ya kutumela kimi konke e ni ku zwayo.

37 uHushai isihlobo sika Davida, wa ya emzini, noAbsalomu wa ngena eJerusema.

### ISAHLUKO 16.

**U**DAVIDA wa e se si dhlulile incosana isicongo sentaba, bheka, uZiba inceku ka Mefibosheti wa m hlangebeza e nezimbongolo ezimbili zi fakwe izihlalo pezu kwazo, ku kona izinkwa ezi ngamakulu amabili, nezihleke zevini ezi ikulu, nezitelo zehlobo ezi ikulu, nemvaba yewaini.

2 Ya ti inkosi kuZiba, u linganisani ngaloku na? wa ti uZiba, izimbongolo e zo ku kwela abantu bendhlu yenkosi, nezinkwa nezitelo zehlobo e zo ku dhlilwa izinsizwa, newaini e lokupuzwa abakateleyo ehlane.

3 Ya ti inkosi, ipi indodana yenkosi yako na? wa ti uZiba enkosini, Bheka u hlezi eJerusema, ngokuba wa ti yena, namhla indhlu ka Israeli i ya kubuyisela kimina umbuso ka baba.

4 Ya i si ti inkosi kuZiba, Bheka ku ngokwako konke o kwa ku ngokuka Mefibosheti, wa ti uZiba, ngi ya cela ngokuzitoba ngupambi kwako ukuba ngi tole umusa emehlweni ako, nkosi yami, inkosi.

5 Lapo inkosi uDavida wa fika eBahurimu, bheka kwa puma kona umuntu kwa bomndeni weudhlu ka Sauli, igama lake li nguShimi, indodana ka Gera: wa pumake e tuka ekuhambeni kwake.

6 Wa ponsa amatye kuDavida, na kuzo zonke izineeku zenkosi uDavida. Abantu bonke namadoda onke a namandhla a e ngasesandhlani sake sokuponsa nakwesokohlo.

7 uShimi ekutukeni kwake wa tyo lawa 'mazwi, Puma, puma, wena muntu wegazi, muntu ka Beliali:

8 uJehova u buyisele kuwe lonke igazi lendhlu ka Sauli, o kade u busa endaweni yake; uJehova u nikele umbuso esandhlani sika Absalomu indodana yako; bheka, wena u sekushingeni kwako, ngokuba u ngumuntu wegazi.

9 Wa e se ti uAbishai indodana ka Zerua enkosini, Ku ngani ukuba lenja



efileyo e tuka inkosi yami inkosi na? ngi ya kuncenga ma ngi wele ngi m nqume ikanda.

10 Ya ti inkosi, ngi namsebenzi muni kinina, nina madodana kaZerua na? ma ka tuke yena, ngokuba ku tyo uJehova kuye ukuti, tuka uDavida, ubanike o nga ti, u kwenzeleni loku na?

11 Wa ti uDavida kuAbishai, nakuzo zonke izineeku zake, Bhekani, indodana yami e ya puma ematunjini ami i funa ukupila kwami; poke umBenjamini? mu yekeni a tuke, ngokuba u tyelwe uJehova.

12 Mhlaumbe uJehova u ya kukubona ukhlupeka kwami, uJehova a ngi nike okuhle, ngokutuka kwake namhla.

13 uDavida nabantu bake ba hamba ngendhlela, uShimi wa hamba ecaleni kwentaba malungana naye, e tuka njalo, e m jigijela ngamatye, nangotuli.

14 Inkosi nabantu bonke a ba be nayo, ba katala, ba pumula lapo.

15 uAbsalomu nabantu bonke, amadoda a kwa Israeli, ba fika eJeruselema, noAhitofeli e naye.

16 Kwa ti, lapo uHushai umArki isihlobo sika Davida wa fika kuAbsalomu, uHushai wa ti kuAbsalomu, uTixo ma ka sindise inkosi, uTixo ma ka sindise inkosi.

17 uAbsalomu wa ti kuHushai, Loku ku ngumusa wako esihlotyeni sako na? A u hambanga ngani wena nesihlobo sako na?

18 uHushai wa ti kuAbsalomu, qa, kodwa o ketwa uJehova, na laba 'bantu nawo onke amadoda a kwa Israeli, ngi ya kuba o wake, ngi hlale naye.

19 Futi, ngi nga konza ubani mina na? A ngi nge konze emehlweni endodana yake na? Njengokukonza kwami emehlweni ka yihlo, ngi ya kuba njalo na semehlweni ako.

20 Wa e se ti uAbsalomu kuAhitofeli, yi tyoni nina e si nga kwenzayo.

21 Wa ti uAhitofeli kuAbsalomu, ngena ezixebeni zika yihlo, a zi shiyileyo ukuba zi linde indhlu noIsraeli wonke, u ya kuzwa ukuba u delwe uyihlo: Ngako izandhla zabo bonke aba nawe zi ya kuqina.

22 Ngako ba misela uAbsalomu utente ngapezu kwendhlu, uAbsalomu wa ngena ezixebeni zika yise emehlweni abo bonke abaIsraeli.

23 Amazwi ka Ahitofeli a e wa kuluma nga lezo 'zinsuku, kwa kungati a

womuntu o buzileyo emtsetweni kaTixo: a e njalo onke amazwi ka Ahitofeli, kuDavida, rakuAbsalomu.

ISAHLUKO 17.

**W**A ti uAhitofeli futi kuAbsalomu, ma ngi kete manje amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nambili, ngi vuke ngi landele uDavida nga lobu 'busuku.

2 Ngi m fikele e katele, nezandhla zi butakataka, ngi mesabise: abantu bonke abanaye ba ya kubaleka: ngi bulale inkosi kupela.

3 Ngi ya kubuyisela kuwe bonke abantu; Yena o m funayo, ku ya kuba sengati bonke ba buyile: ngako bonke abantu ba ya kuba nokutula.

4 Loku kutyona kwa m jabulisa uAbsalomu namalunga onke a kwaIsraeli.

5 Wa e se ti uAbsalomu, Bizani uHushai umArki futi, si zwe akutyonyo yena.

6 Lapo uHushai e se fikile kuAbsalomu wa kuluma kuye e ti, uAhitofeli u kulumile kanje, senze njengokutyona kwake na? uma ku nge njalo: kuluma wena.

7 uHushai wa ti kuAbsalomu, amazwi kaAhitofeli a wa kulumileyo, a ka lungile ngalesi 'sikati.

8 Wa ti uHushai, ngokuba u ya mazi uyihlo nabantu bake, ukuba ba ngamaqawe a namandhla, nokuba ba cunukele ezinhliziyweni zabo njengebere eli lahlekelwe amazinyane alo ehlane: uyihlo u iqawe empini, a ka i kuhlala nabantu.

9 Bheka manje u zitukusile emgodini, noma kwenye indawo: ku ya kuti lapo abanye be bulwe kuqala, okuzwayo u ya kuti, ku kona ukubulalana kubantu abalandela uAbsalomu.

10 Naye o nesibindi onhliziyo yake i njeng e yengonyama, u ya kuncibilika impela, ngokuba abaIsraeli bonke ba yazi ukuti uyihlo u indoda e namandhla nabo abanaye ba amaqawe.

11 Ngako inkulumbo yami i ti aba kaIsraeli bonke ma ba butanele kuwe, ku suke eDani kuze ku fike eBeresheba, nje- ngesihlabati sa selwandhle ngobuningi, nawe u ye empini uqobo lwako.

12 Ngako si ya kumfikela endaweni lapo e nga tolwa kona, si mehlele njengokuwela kombete emhlabatini: yena nabantu bake bonke abanaye a ku yi ku sala noyedwa.

13 Noko e ngenile emzini aba kaIsraeli

bonke ba ya kuleta izintambo kulowo 'muzi, si wu donsele emfuleni, ku nga be ku sa tolwa nelilodwa itye nelineane kona.

14 uAbsalomu nabantu bonke bakwa Israeli ba ti, Inkulumo ka Hushai um-Arki, i lungile ku nenkulumo ka Ahitofeli. Ngokuba uJehova u be misile u kwahlula inkulumo elungileyo ka Ahitofeli, ngecebo lokuba uJehova e hlisele ububi kuAbsalomu.

15 Wa e se ti uHushai kuZadoki nakuAbiata abapristi, uAhitofeli wa kuluma kuAbsalomu na sezikulwini zakwa Israeli kanje: mina nga kuluma kanje nakanje.

16 Tumelanike masinyane kuDavida, ni ti, musa ukuhlala nga lobu 'busuku ematafeni a sehlane, kodwa wela masinyane; funa inkosi i gwinywe, nabantu bonke aba nayo.

17 uJonatani noAhimaazi ba be hlala nga se Enrogeli, ukuze ba nga bonwa ukungena kwabo emzini: intombi ya hamba ya ba tyela ukuba ba lambe ba tyele inkosi uDavida.

18 Noko umfana wa ba boua wa tyela Absalomu, kodwa ba hamba bobabili masinyane, ba fika endhlini yomuntu eBahurimu, e ya i nomgodi wamanzi egekeni lake; ba ngena kuwo.

19 Owesifazana wa mboza umlomo womgodi, waneka umbila ogaiweyo pezu kwawo; ku ngaziwa muntu loko.

20 Lapo izinceku zika Absalomu za fika kowesifazana endhlini, za ti, upi uAhimaazi noJonatani? wa ti owesifazana kubo, ba wele umfula wamanzi. Lapo se be funile be nga ba toli, ba buyela eJerusalem.

21 Kwa ti, se be hambile ba puma engodini ba hamba ba tyela inkosi uDavida, ba ti kuDavida. Suka u dhlule masinyane emfuleni: ngokuba uAhitofeli u kulumile ngawe kanje.

22 uDavida wa vuka, nabantu bonke aba be naye, ba wela iJordan. Lapo kumpondo-zankomo, a kwa sala 'muntu o nga li welanga iJordan.

23 Lapo uAhitofeli e bona ukuba inkulumo yake u i nakekelwanga, wa bopele imbongolo yake, wa vuka ba buyela endhlini yake, emzini wake, wa lungisa indhlu yake, wa zipanyeka, wa fa, wambelwa etuneni lika yise.

24 uDavida wa e se fika eMahanaimi, uAbsalomu wa wela iJordan, yena nabantu bonke bakwa Israeli kanje naye.

25 uAbsalomu wa misa uAmasa u be induna yempi endaweni ka Joabi. uAmasa wa e indodana yomuntu ogama lake li ngu Itra umIsraeli, o wa ngena kuAbigail indodakazi ka Nahashi, udade wabo ka Zerua unina ka Joabi.

26 Ngako aba ka Israeli, noAbsalomu ba misa ezweni laseGiladi.

27 Kwa ti, uDavida e se fikile eMahanaimi, uShobi indodana ka Nahashi waseRaba, wabantwana baka Amoni, noMakiri indodana ka Anmieli waseLodeba, noBarzillai umGiladi waseRogelimu;

28 Ba m letela amacansi, nezitya, nezitya zebumba, nokolweni, nebale, nenpupu, notywele, nobontyise, namalentile, notywele lombila.

29 Nezinyosi, namafuta, nezimvu, namasi enkomo, uDavida, nabantu aba be naye, ukuba ba dhle: ngokuba ba ti, abantu ba lambile, ba katele, bomile futi ehlane.

#### ISAHLUKO 18.

U DAVIDA wa bala abantu aba be naye, u wa misa izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu pezu kwabo.

2 uDavida wa tuma inxenye yesitatu yabantu ngesandhla sika Joabi, nenxenye yesitatu ngesandhla sika Abishai indodana ka Zerua, umfo wabo ka Joabi nenxenye yesitatu ngesandhla sika Ittai umGiti. Ya ti inkosi kubantu, ngi ya kuhamba nani, nani.

3 Kodwa abantu ba pendula ba ti, wena a u yi kuhamba: ngokuba uma si baleka tina; a ba yi kusikatalela; noma ku fa inxenye yetu a ba yi kusikatalela, ngokuba wena u lingene nati si izinkulungwane ezi ishumi; ku lungile ukuba u si size u semzini.

4 Ya ti inkosi kubo, okulungileyo kinina, ngi ya kukwenza. Inkosi yema ngasesangweni, abantu bonke ba puma ngamakulu na ngezinkulungwane.

5 Inkosi ya yala uJoabi, noAbishai, nolttai, i ti, ni yi pate kahle insizwa leyo ngenxa yami, uAbsalomu. Abantu bonke bezwa lapo inkosi i yaleza izinduna zonke ngoAbsalomu.

6 Ngako abantu ba pumela etafeni nkulwa nabo ka Israeli: ukulwa kwa ku sehlatini lakwa Efraimi.

7 Abantu bakwa Israeli ba bulawa izineeku zika Davida, kwa ba kona ukubulalana okukulu ngalolosuku amadoda n izinkulungwane ezingamashumi amabili.

8 Ngokuba impi ya hlakazeka ezweni lonke; ihlali la qeda abantu abaningi ngalolosuku, ku nenkamba.

9 uAbsalomu wa hlangana nezinceku zika Davida, uAbsalomu wa e kwele imbongolo; imbongolo ya ngena ngapansi kwamagatya ahlangeneyo omuti omkulu ikanda lake la bambelala emtini weterebinte, wa pakama emkatini wezulu nombhlabi: imbongolo e ya i ngapansi kwake ya hamba.

10 Enye indoda ya ku bona loko, ya tyela uJoabi, ya ti, bheka, nga m bona uAbsalomu e lenga emtini weterebinte.

11 uJoabi wa ti kuyo indoda emtyelileyo, bheka, u m bonile wena, a u m tyayanga ngani wa wa pansu emhlabatini na? nga ngi ku nikile izinhlamvu zesiliva ezi ishumi kanye nomqele.

12 Ya ti indoda kuJoabi noko ngamkela izinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane esandhlani sami, ngi nge si beke isandhla sami pezu kwendodana yenkosi; ngokuba ekuzweni kwetu inkosi ya ku yala, noAbishai, noIttai, i ti, Qapelani ukuba i nga tintwa 'muntu leyo 'nsizwa uAbsalomu.

13 A ku be ngenze amanga ekupileni kwami: ngokuba aiko into efihlwayo enkosini, nawe uqobo lwako nga u ngi vukele.

14 Wa e se ti uJoabi, a ngi z'ukuhlala ngi kulume nawe kanjalo. Wa tata izinkandi ezintatu esandhlani sake, wa m gwaza enhliziyweni uAbsalomu e sa pilile emagatyeini eterebinte.

15 Izinsizwa ezi ishumi e za zi pata izikali zika Joabi za m haqa za m tyaya uAbsalomu za m bulala.

16 uJoabi wa beta itilongo, abantu ba buya ekulandeleni abakaIsraeli; ngokuba uJoabi wa ba vimbela abantu.

17 Ba m tata uAbsalomu ba m faka emgodini omkulu ehlatini, ba beka inqwaba enkulu yamatye pezu kwake: Bonke abakwa Israeli ba balekela kotentente.

18 uAbsalomu ekupileni kwake wa e tatile wa zimisela, insika, e sensimini yenkosi: ngokuba wa ti, A ngi nandodana yokukumbuzela igama lami: wa i qamba insika ngegama lake; na namhla i sa bizwa ngokuti, Insika ka Absalomu.

19 Wa e se ti uAhimaazi indodana ka Zadoki, Ma ngi gijime ngi yise enkosini izindaba, ukuba uJehova u m pindisele eziteni zake.

20 Wa ti uJoabi kuye, a u yi ku zi yisa izindaba namhla, kodwa u ya ku zi yisa ngolunye usuku: kodwa namhla a u yi ku zi yisa izindaba, ngokuba indodana yenkosi i file.

21 Wa e se ti uJoabi kuKushi, Hamba u tyele iukosi into o i bonileyo, uKushi wa zi kotamisa ngapanbi kuka Joabi wa gijima.

22 Wa ti uAhimaazi indodana ka Zadoki kuJoabi, Noko, ngi dedele ngi ya kuncenga ukuba ngi m landele uKushi, wa ti uJoabi, u gijimeleni, wena ndodana yami na? njenga loku i ngendaba e lungele wena na?

23 Wa ti noko kunjalo, ma ngi gijime, wa se e ti kuye, Gijimake, uAhimaazi wa gijima ngendhlela yetafa, wa m dhlula uKushi.

24 uDavida wa e hlezi emkatini weminyango emitili: umlindi wa kupukela pezu kwesango.

#### ISAHLUKO 19.

**K**WA tyelwa uJoabi ukuti Bheka, inkosi i ya kala i lilela uAbsalomu.

2 Ukusindiswa lolo 'suku, kwa ba ukulula ku bantu bonke: ngokuba abantu bezwa ngalolo 'suku ku tiwa inkosi i dabukile ngendodana yayo.

3 Abantu ngalolo 'suku ba ngena ngasese ezini, njengabantu aba nezinhloni be nyonyoba be balekela impi.

4 Inkosi ya mboza ubuso bayo, inkosi ya kala ngezwi elikulu ya ti, O ndodana yami Absalomu, O Absalomu, ndodana yami, ndodana yami.

5 uJoabi wa ngena endhlini enkosini, wa ti, u jabisile namuhla ubuso bezinceku zonke zako, ezi sindisile ukupila kwako namhla, nokupila kwamadodana ako, nokwamadodakazi ako, nokupila kwabafazi bako, nokupila kwezixebe zako.

6 Ngokutanda izita zako, nokuzonda izihlobo zako. Ngokuba u tyilo namhla ukuti, A u wa kataleli amakosana, nezinceku: ngi ya bona namhla ukuti, uma uAbsalomu u be pilile, tina sonke si file namuhla be ku za ku kujabulisa kakulu.

7 Sukake u pume u kulume kahle ezincekweni zako. Ngokuba ngi funga uJehova, una a u pumi, a ku yi kuhlala muntu nawe ngalobu 'busuku: loko ku ya kuba kubi kuwe ku nabo bonke ububi o ba ku fikelayo, u se insizwa ku ze ku be manje.

8 Ya vukake inkosi, ya hlala nga sesangweni ba ba tyela bonke abantu, be ti, Bhekani, inkosi i hlezi emnyango. Abantu bonke ba butana ngapambi kwinkosi: ngokuba bonke abakwaIsraeli ba se be balekele kotente babo.

9 Bonke abantu ba pikisana kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, be ti, inkosi ya si sindisa esandhlени sezita zetu, ya si kipa esandhlени samaFilisti manje se i balekele ezweni ngenxa ka Absalomu.

10 uAbsalomu e sa ni gcobayo tina, u file empini. Manjeke ini ukuba ni nga kulumi izwi lokubuyisa inkosi na?

11 Inkosi uDavida ya tumela kuZadoki na kuAbiata abapristi e ti, Kulumani ezikulwini za kwa Juda, ni ti, Ku ngani ukuba ni be abokugeina ekubuyiseleni inkosi yayo na? njengaloku inkulumo yabaIsraeli bonke i fikile enkosini, nasendhlени yayo.

12 Nina ni ngabafo wetu, ni ngamatanbo ami nenyama yami, ku nganike ukuba ni be abokugeina ekubuyiseleni inkosi na?

13 Ni ti kuAmasa, wena a u siye owetambo lami, nenyama yami na? uTixo enze njalo kimi, a dhlulise futi uma u nga yi kuba induna yempi ngapambi kwami njalo, endaweni ka Joabi.

14 Wa tobisa izihliziyi zabantu bonke ba kwa Juda, za ba njengenhliziyi yomuntu munye; ngako ba tumela enkosini, be ti, Buya wena nezineku zako zonke.

15 Ngako ya buya inkosi ya fika eJordani, uJuda wa fika eGiladi, ukuhlangabeza inkosi, nokupelekezela inkosi ekuweleni iJordani.

16 uShimi indodana ka Gera, umBenjamini, wa seBahurimu wa tyetya wela nabantu ba kwa Juda ukuhlangabeza inkosi uDavida.

17 Kwa ku kona naye amadoda a inkulungwane akwaBenjamini, noZiba ineeku yendhlu ka Sauli, namadodana ake a ishumi nesihlanu, nezineku zake ezi ngamashumi amabili. Ba wela iJordani pambi kwenkosi.

18 Kwa wela isikebe si twele a beudhlu yenkosi, nokwena okufaneleyo kuye. uShimi indodana ka Gera, wa wa pansi pambi kwenkosi, i si welile iJordani.

19 Wa ti, enkosini, inkosi yami ma i nga beki feala kimi, u nga kumbuli loko okwenziwa ineeku yako ngokweyisa ngosuku lokupuma kwenkosi yami,

inkosi eJerusalema, inkosi i nga ku eabangi loko enhliziyweni yayo.

20 Ngokuba ineeku yako i yazi ukuba yonile, ngako, bheka, ngi fikile kuqala namuhla kuyo yonke indhlu ka Josefa ukwela ukuhlangabeza inkosi yami inkosi.

21 uAbishai indodana kaZeruia wa pendula wa ti, uShimi a za bulawa ngaloku, ngokuba wa tuka ogcotyiweyo ka Jehova?

22 Wa ti uDavida, ngi za kwenzani kinina, madodana ka Zeruia, ukuba namuhla ni be nga pambene nami na? Ku ya kubulawa umuntu namuhla kubaIsraeli na? A ngazi ini mina ukuba ngi inkosi namuhla pezu kwabaIsraeli na?

23 Ngako ya ti inkosi kuShimi, A u yi kufa wena, Ya funga inkosi kuye.

24 uMefibosheti indodana ka Sauli wela ukuhlangabeza inkosi e nga zange a lungise izinyawo zake, e nga si gundile nesilevu sake, e nga zi blanzile nezingubo zake, se loku kwa ba usuku e ya muka ngalo inkosi, kwa ze kwa ba usuku lokubuya kwayo ngokutula.

25 Kwa ti, e se fikile eJerusalema ukuhlangabeza inkosi, ya ti inkosi kuye, A u hambanga ngani wena nami Mefibosheti na?

26 Wa pendula wa ti, inkosi yami, inkosi, ineeku yami ya ngi kohlisa: ngokuba ineeku yako ya ti, ngi ya ku zibopelela imbongolo, ukuba ngi kwele kuyo, ngi ye enkosini, ngokuba ineeku yako i unyonga.

27 U i hlehile ineeku yako, enkosini yami, inkosi: kodwa inkosi yami inkosi, i fana nengelosi ka Tixo: kwenzeka okulungileyo emehlweni ako.

28 Ngokuba yonke indhlu ka baba ya i njengabafileyo ngapambi kwenkosi yami inkosi: noko wa i beka ineeku yako kubo abadhlala etebuleni lako, ngi uomsebenzi muni ukuba ngi buye ngi kale futi enkosini na?

29 Ya ti inkosi kuye, u sa kulumelani ngezindaba zako na? Se ngi tyilo ukuba wena noZiba yahlukaniselanani izwe.

30 Wa ti uMefibosheti enkosini, Yebo, ma ka tate konke, njenga loku inkosi yami, inkosi i buyele ngokutula endhlени yayo.

31 uBarzillai umGiladi wela e puma eRogelimu, wa wela iJordani kanye nenkosi, uku yi welisa iJordani.

32 uBarzillai wa e indoda endala ka-

kulu, e neminyaka e ngamashumi a isishiyagalombili wa e kade e pa inkosi ukudhla i sa hlezi eMahanaimi, ngokuba wa e ngumuntu omkulu kakulu.

33 Ya ti inkosi kuBarzillai, wela nami wena, ngi ya kukupakela kanye nami eJerusalema.

34 Wa ti uBarzillai enkosini, ngi se nokupila okungakanani mina na? Ukuba ngi ze ngi ye nenkosi eJerusalema?

35 Namuhla ngi neminyaka e ngamashumi a isishiyagalombili: ngi nokuqikela okuhle nokubi na? I nako inceku yako ukukuzwa e ku dhlayo, ne ku puzayo na? ngi nga be ngi sa li zwa futi izwi lamadoda a gwabayo, nelesifazana e si gwabayo na? Ku ngani ukuba inceku yako i be umntwalo enkosini yami inkosi na?

36 Inceku yako i ya kuhamba incosana i wele iJordani kanye nenkosi: ku nganike ukuba inkosi i ngi pindisele ngeuto enhle kangaka na?

37 Ngi ya kuleka, dedela inceku yako ukuba i buye, ukuba ngi fele emzini wakiti, ngi gqitye eduze netuna lika baba, ne lika mame, kodwa bheka inceku yako uShimhamu, ma i hanibe yona kanye neukosi yami inkosi; a kwenze kuye, okuhle kuwe.

38 Ya pendula inkosi ya ti, uShimhamu u ya kuwela nami, ngi ya kukwenzisa kuye okulungileyo kuwe, nokufunayo kimi ngi ya kukwenzela kona.

39 Abantu bonke ba wela iJordani. Lapo inkosi se i welile, inkosi ya manga uBarzillai, ya m busisa, wa buyela endaweni yake.

40 Ya dhlulake inkosi ya ya eGilgali, uShimhamu wa hamba nayo, nabantu bonke ba kwa Juda ba welisa inkosi, nenxenyeyabantu ba kwa Israeli.

41 Bheka, onke amadoda a kwa Israeli a fika enkosini, a ti kuyo inkosi, Ku ngani ukuba abafu wetu, amadoda a kwa Juda, a kwebile na? Ba i leta inkosi nendhlu yayo, namadoda onke a ka Davida kanye naye, nganeno kweJordani na?

42 Onke amadoda a kwa Juda, a pendula amadoda a kwa Israeli, e ti, ngokuba inkosi i isihlobo impela kitina, ku nganike ukuba ni si tukutelele nga lento na? Si ke sa dhlani yenkosi na? I si pile isipo na?

43 Amadoda a kwaIsraeli a pendula amadoda a kwaJuda, e ti, si nezinxenyenzi ishumi enkosini, uDavida u faneli

tina kunani, ni seyiselani tina na? E yetu inkulumbo i be i ngesiyo eyokuqala ukubuyisa inkosi yetu na? Amazwi amadoda a kwaJuda, a e lukuni ku namazwi amadoda a kwaIsraeli.

ISAHLUKO 20.

**K**WA ti kwa ba kona umuntu ka Beliali, igama lake li nguSheba, indodana ka Bikri umBenjamini, wa beta itilongo, wa ti, A si nandaba kuDavida a si nafa endodaneni ka Jese; yiyani nonke kotente benu O Israeli.

2 Ngako onke amadoda a kwa Israeli a buya ekulandeleni uDavida, a landela uSheba indodana ka Bikri: kodwa a bakwa Juda ba namatela enkosini yabo, ku suke eJordani ku ze ku fike eJerusalema.

3 uDavida wa bika endhlini yake eJerusalema; inkosi ya tata abesifazana aba ishumi izixebe zake a e zi shiyile ukulinda indhlu, wa zi kweza, wa zi pa ukudhla, kodwa a ka ngenanga kuzo, ngako za valelwa za ze za fa, zi pile ugobudikazi.

4 Ya i si ti inkosi kuAmasa, ngi butele amadoda a kwaJuda ngezinsuku ezintatu, nawe u be kona.

5 Ngako uAmasa wa hamba ukubuta amadoda a kwaJuda; kodwa wa hlala sa ze sa dhlula isikati a e si nqunyelwe.

6 uDavida wa ti kuAbishai, Manje uSheba indodana ka Bikri u ya kusihlupa kakulu ku nokuhlupa kuka Absalomu. Tata izinceku zenkosi yako, u m landele, funa a ngene emzini o nezintango, a si punyuke.

7 Kwa pumake amadoda a ka Joabi, namaKeriti, namaPeleti, nawo onke amadoda a namandhla: a puma eJerusalema, ukulandela uSheba indodana ka Bikri.

8 Se be fikile etyeni elikulu eli seGibeoni uAmasa wa hlangebezana nabo, ingubo ka Joabi a e i fakile ya i semzimbeni wake, kwa ku kona ibande li nenkemba esikwameni sayo okalweni lwake; lapo e hamba ya wa inkemba.

9 uJoabi wa ti kuAmasa, u pilile mfo wetu na? uJoabi wa bamba uAmasa ngesilevu ngesandhla sokuponsa ukumanga.

10 Kodwa uAmasa a ka i nakanga inkemba e ya i sesandhleni sika Joabi, ngako wa m gwaza ngayo obanjani lwe-sihlanu, wa cita izibilini zake enhlabana,

tini, a ka sindanga wa fa. Ngako uJoabi, noAbishai umfo wabo ba landela uSheba indodana ka Bikri.

11 Enye insizwa ka Joabi yema eduze naye, ya ti, O tanda uJoabi no ngoka Davida, Ma ka m landele uJoabi.

12 uAmasa wa e se ewile egazini lake emgwaqweni omkulu. Lapo umuntu e bona ukuba bonke abantu ba yema kona, wa m susa uAmasa emgwaqweni wa m yisa endhle wa m boza ngendwangu, ngokuba bonke a ba be dhlula kuye ba bema.

13 E se susiwe emgwaqweni, bonke abantu ba dhlula noJoabi uku landela uSheba indodana ka Bikri.

14 Wa dabula kuzo zonke izizwe zakwa Israeli wa ze wa fika eAbela, naseBeth-maka, naseBerimu: aba kona ba butana ba m landela futi.

15 Ba fika ba m vimbezela eAbela laseBeth-maka, wa misa udonga ngasemzini, lwema emseleni: bonke abantu a ba be noJoabi, bamba udonga uku lu wisa.

16 Kwa kala owesifazana ohlakanipileyo emzini, Yizwani, yizwani: ngi ya ncenga yi tini kuJoabi, a sondele lapa ngi kulume naye.

17 Kwa ti e se fikile eduze naye, wa ti owesifazana, u nguJoabi wena na? Wa pendula wa ti, ngi uye, wa e se ti owesifazana kuye, Yizwa amazwi ecekukazi yako. Wa pendula uJoabi wa ti ngi yezwa.

18 Wa kulumake wa ti, Abantu ba be vana ukutyo endulo be ti, Impela ba ya kucela eAbela: kona ba qeda.

19 Mina ngi ngotulileyo nokolekayo kwaIsraeli, u funa ukucita umziki omkulu kwaIsraeli: ini ukuba u gwinye ifa lika Jehova na?

20 uJoabi wa pendula wa ti, Ma ku be kude, ma ku be kude kimi, ukuba ngi gwinye ngi cite.

21 Indaba ka i njalo: kodwa indoda ya sentabeni ya seEfraimi, uSheba indodana ka Bikri igama lake, wehulela isandhla sake enkosini, uDavida. Ngi nike yena kupela kona ngi ya kusuka emzini, wa ti owesifazana kuJoabi, Bheka, ikanda lake li ya kuponswa kuwe odongeni.

22 Owesifazana wa ya kubantu bonke ngokuhlakanipa kwake: Ba m nquma ikanda uSheba indodana ka Bikri, ba li ponsa kuJoabi; uJoabi wa beta itilongo, ba buya emzini kwa ba i lowo muntu

wa ya kutente wake. uJoabi wa buyela eJerusalema enkosini.

23 Manje uJoabi wa e pezu kwayo yonke impi yakwaIsraeli, uBenaia indodana ka Jehoida wa e pezu kwamaKereti na pezu kwamaPeleti.

24 uAdoramu wa e induna yemali: uJehoshafati indodana ka Ahiludi wa e ngumlobi.

25 uSheva wa e ngumbali: uZadoki noAbiataru ba be ngabapristi.

26 uIra umJairi wa e induna enkulu nga kuDavida.

## ISAHLUKO 21.

**K**WA ba kona indhlala esikatini sika Davida, iminyaka emitatu, i landelana: uDavida wa buza kuJehova, uJehova wa m pendula wa ti, Ku ngenxa ka Sauli, nangenxa yendhlu yake yegazi, ngokuba wa bulala amaGibeoni.

2 Inkosi ya biza amaGibeoni ya ti kuwo: (amaGibeoni a e nge sibo abantwana baka Israeli, ba be inzalo yamaAmori: abantwana baka Israeli ba be fungile kubo: uSauli wa linga ukubalulala, ngokukutala kwake ku bantwana baka Israeli noJuda.)

3 Wa ti uDavida kumaGibeoni, ngi nga nenzela ntoni mina na? Ngi ni hlaulele ngani, ukuze ni busise ifa lika Jehova na?

4 AmaGibeoni a ti kuye, a si yi kwamkela isiliva negolide kuSauli na kwa bendhlu yake; nangenxa yetu wena a u yi kubulala muntu noyedwa kwaIsraeli, wa ti yena, E ni ku tyoyo, ngi ya ku nenzela kona.

5 Ba pendula inkosi ba ti, Umuntu o wa si bulalayo, no wa si hlanganyelayo ukuba si qedwe si nga sali kuwo wonke amazwe a kwa Israeli,

6 Ma si nikwe a isikombisa kumadodana ake si wa panyenze kuJehova eGibea lika Sauli o wa ketwa uJehova. Ya ti inkosi, Ngi ya kuninika bona.

7 Kodwa inkosi ya m sindisa uMefibosheti indodana ka Jonatani indodana ka Sauli ngenxa yesifungo sika Jehova e sa si pakati kwabo, pakati kuka Davida noJonatani indodana ka Sauli.

8 Kodwa inkosi ya tata amadodana ambili ka Rizpa, indodakazi ka Aia, a e wa zalele uSauli, uArmoni noMefibosheti; namadodana a isihlanu ka Mikati indodakazi ka Sauli a e wa zalele uAdrieli indodana ka Barzillai umMeholati.

9 Wa ba nikela ezandhleni zamaGibe-

oni, ba ba panyeka entabeni ngapambi kuka Jehova: ba wa isikombisa kanye-kanye, ba bulawa ezinsukwini zokuvuna, ezinsukwini zokuqala, ku sa qalwa ukuvuna ibarle.

10 uRizpa indodakazi ka Aia, wa tata indwangu yamasaka wa zendhlalela yona pezu kwetye, kwa suka ekuqaleni kokuvuna kwa za kwehlela imvula pezu kwabo i vela ezulwini, a ka vumelanga izinyoni zezulu ukuba zi hlale pezu kwabo emini, nezilwane za sendhle ebusuku.

11 Kwa tyelwa uDavida okwenziwa uRizpa indodakazi ka Aia, isixebe sika Sauli.

12 uDavida wa hamba wa tata amatambo ka Sauli namatambo ka Jonatani indodana yake, kubantu ba seJabesh-Giladi a ba be webile emgwaqweni wa seBet-Shani, lapo amaFilisti a e ba panyeke kona emva kokubulala uSauli eGilboa.

13 Wa tata kona amatambo ka Sauli namatambo ka Jonatani indodana yake: ba buta namatambo a ba be panyekiwe.

14 Amatambo ka Sauli, na ka Jonatani indodana ba wa mbela ezweni ka kwa Benjimini eZela, etuneni lika Kishi uyise: ba kwenza konke okwayalezwa inkosi. Ngasemva kwa loko, uTixo wa nxuswa ngenxa yezwe.

15 AmaFilisti a lwa futi naba Israeli; uDavida wehla nezinceku yake, wa lwa namaFilisti: uDavida wa pel'amandhla.

16 uIshbi-benobi, wa kumadodana esiqwaga, isisindo somkonto wake sa si amashekeli etusi a amakulu amatatu, e hlome inkemba entya, wa cabanga ukubulala uDavida.

17 Kodwa uAbishai indodana ka Zerua wa m sindisa, wa m tyaya umFilisti wa m bulala. Amadoda a kwa Davida a e se funga, e ti, a u sa yi kupinda u pume impi nati, ku nga ze ku cime ukukanya kuka Israeli.

18 Kwa ti ngasemva kwa loko, kwa ba kona impi futi namaFilisti eGobi: uSibekai umHushati wa bulala uSafi, o wa e ngowamadodana esiqwaga.

19 Kwa ba kona futi impi namaFilisti eGobi lapo uElhanani indodana ka Jareogimu umBetlehema, wa bulala umfo wabo ka Golia umGiti, uti lomkonto wake lwa lu ugongolo.

20 Kwa ba kona impi futi lapo kwa ku kona umuntu omkulu o wa e nemi-nwe e isitupa ezandhleni zombili; nezi-

nzwani ezi isitupa ezinyaweni zombili, ku amashumi amabili nane konke, naye futi wa zalwa isona isiqwaga.

21 Lapo e yisa uIsraeli, uJonatani indodana ka Shimea umfo wabo ka Davida, wa m bulala.

22 Laba bo bane ba zalwa i leso siqwaga eGati, ba wa ngesandhla sika Davida, wa ngesandhla sezinceku zake.

ISAHLUKO 22.

UDAVIDA wa kuluma kuJehova amazwi a lesi' sihlabelelo ngosuku lokusindiswa kwake uJehova esandhleni sezita zonke zake, na sesandhleni sika Sauli.

2 Wa ti, uJehova u idwala lami, ne-nqaba yami, nomkululi wami:

3 uTixo wetye lami; ngi ya kwetemba kuye: u isihlangu sami, nopondo lokusindiswa kwami, inqaba yami epakemeyo nesipepele sami, umsindisi wami; u ya ngi sindisa ekuhlupeni.

4 Ngi ya kukala kuJehova, o fancile ukudunyiswa; ngi sindisiwe eziteni zami.

5 Lapo amaza okufa a ngi haqa, uzamcolo wabantu a ba nga m konziyo uTixo, wa ngesabisa;

6 Izinhlupeko zeSheoli za ngi zungeza; izihibe zokufa za ngi tiya.

7 Ngokuhlupuka kwami nga kala kuJehova, nga kala kuTixo wami, wa lizwa izwi lami e setempelini lake, noku-kala kwami kwa ngena ezindhlebeni zake.

8 Umhlaba wa zamazama, wa tutumela, izisekelo zezulu zesuka za zamazama, ngokuba wa e tukutele.

9 Kwenyuka umusi emakaleni ake, nomlilo o puma emlonjeni wake wa bulala; kwa vela amalahle ngawo.

10 Wa kotamisa amazulu futi, wehla; ubumnyama ba bu ngapansi kwezinyawo zake.

11 Wa kwela pezu kwekerubi, wa ndiza: wa bonakala emapikweni omoya.

12 Wenza ubumnyama bu be otente nga kuye, amanzi a buteneyo, namafu a hlangeneyo ezulu.

13 Ekukanyeni okupambi kwake, kwa vela amalahle omlilo.

14 uJehova wa duma e sezulwini, Omkulu kakulu wa kipa izwi lake.

15 Wa ponsa imicibityelo, wa ba hlakaza; unyazi lwa ba cita.

16 Kwa vela obala imisinga yolwandle, nezisekelo zomhlaba za bonakala

ekukanyeni kuka Jehova, ngokupuma komoya emakaleni ake.

17 É pezulu yena wa zelula wa ngi tata; wa ngi kipa emanzini amaningi.

18 Wa ngi kulula esiteni sami esinamandhla, kwa ba ngi zondayo, ngokuba ba be uamandhla kakulu kunami.

19 Ba ngehlela osukwini lokuhlupuka kwami; kodwa uJehova wa e inqaba yami.

20 Wa ngi kipela endaweni ebanzi; wa ngi kulula, ngokuba wa e jabula ngami.

21 uJehova wa ngi vuza njengokulungwa kwami, njengobumhlope bezandhla zami wa ngabela.

22 Ngokuba nga geina izindhlela zika Jehova. A ngi yi shiyanga inkosi yami ngokwenza okubi.

23 Ngokuba zonke izahlulelo zake za zi pambi kwami, na ngezimemezelo zake, a ngi kwebukanga kuzo.

24 Nga ngi lungile pambi kwake, nga zibaniba ebubini bami.

25 Ngako uJehova u ngabele njengokulungwa kwami; njengobumhlope bami emehlweni ake.

26 Kwaba nomhau, u ya kuba nomhau, na kwabaqoto u ya kubonakalisa ubuqoto.

27 Kwabalungileyo, u ya kubonakalisa ukulungwa, na kwabangalungile, u ya kubonakalisa ukungalungi:

28 U ya kusindisa abantu abahlutwayo; kodwa amehlo ako a pezu kwabazidhlayo ukuze u ba tobise.

29 Ngokuba u isibani sami O Jehova; uJehova u ya kukanyisa ubumnyama bami:

30 Ngokuba ngawe ngi dabule impi; ngoTixo wami ngi lweqile udonga.

31 uTixo, indhlela yake i lungile: izwi lika Jehova li hlanzekile; u isihlangu kubo bonke aba temba kuye.

32 Ngokuba ubani onguTixo ngapambi kuka Jehova? O idwala ngapambi kuka Tixo na?

33 uTixo u ngamandhla ami, ukuqina kwami; yena u ya yi lungisa indhlela yami.

34 Wenza izinyawo zami zi be njenjezinyamazane: u ya ngi beka ezindaweni zami ezipakemeyo.

35 U ya zi fundisa izandhla zami ukulwa; ukuze umcibityelo wensimbi wapulwe imikono yami.

36 U ngi nikile futi isihlangu sokusindisa kwako; nokutamba kwako ku ngi kulisile.

37 U ngi kulisile izindhlela zami ngapansi kwami; ngako amaqakala ami a ka tutumelanga.

38 Nga zi landela izita zami nga zi bulala; a ngi pendukanga ngi nga ka zi qedi.

39 Ngi zi bulele, ngi zi limazile ukuze zi nga vuki; zi wile ngapambi kwezinyawo zami.

40 U ngi binqisile ngamandhla okulwa: abangivukelayo, wa ba kotamisa ngapansi kwami.

41 U ngi nikile futi izintamo zezita zami, ukuze ngi ba bulale abangizondayo.

42 Ba bheka, kodwa a kwa ba ko muntu wokusindisa; na kuJehova, kodwa a ka ba pendulanga.

43 Nga ba coboza ba ba njengotuli lomhlabati; nga ba gxoba njengodaka lomgwaqo, nga ba hlakaza.

44 U ngi kululile enkanini yabantu bami, wa ngondhla ukuba ngi be inhloko yezizwe; Abantu e be ngi nga bazi ba za kungikonza.

45 Abangaziwayo ba ya kuzitoba: ekuzweni kwabo ba ya kungilalela.

46 Abangaziwayo ba ya kubuna, ba ya kwesaba ezingqabeni zabo.

47 uJehova u pilile; Ma li busiswe itye lami; ma ka pakanyiswe uTixo wedwala lokusindiswa kwami.

48 uTixo o ngi pindiselayo, no wisayo abantu pansi kwami.

49 No ngi kululayo eziteni zami, u ngi pakamisile pezu kwabo abangivukelayo: wa ngi kulula kumuntu o nonya.

50 Ngako ngi ya kubonga wena, Jehova, ngapakati ezizweni, ngi ya kuhlabelela izibusiso ngegama lako.

51 U inqaba yokusindiswa yenkosi yake; u bonakalise umusa kogeotyweyo wake, kuDavida na senzaweni yake ku ze ku be pakade.

#### ISAHLUKO 23.

**L**AWA a ngamazwi okugecina kaDavida, uDavida indodana ka Jese wa ti, umuntu o wa pakanyiselwa pezulu, ogeotyweyo ka Tixo ka Jakobe, nomhlabeleli omnandi wa kwa Israeli, wa ti,

2 Umoya ka Jehova wa kuluma ngami, nezwi lake la li solimini lwami.

3 uTixo ka Israeli wa ti, Itye lika Israeli la kuluma kimina, la ti, O busa pezu kwabantu, ma ka lunge, a buse ngokumesaba uTixo.



4 A be njengokukanya kwa kusasa, ekupumeni kwelanga, ukusa oku ngenawo amafu: njengokuhluma kotyani obutambileyo emlabatini ngokukanya emva kweuvula.

5 A i njalo indhlu yami kuTixo na? Ngokuba u senzile kimi isivumelwano esiminyo njalo, si lungile ezintweni zonke, si qinisekile; ngokuba ukusindiswa kwami konke, nokwenama kwami konke, a ka yi kukublumisa na?

6 Kodwa amashinga onke a njengameva a ntyingweyo, ngokuba e ngenakupatwa ngezandhla.

7 Kodwa umuntu o ya kuwatinta ma ka hlonyiswe ngensimbi, na ngoti lomkonto: nabo bonke ba ya kuqedwa njengomlilo ku leyo 'ndawo.

8 Lawa a ngamagama amaqawe a e kuDavida: umHakmoni o wa e hlala esihlalweni, omkulu ezinduneni; u yena uAdino umEzni, wa pakamisa umkonto wake kubantu aba ngamakulu a isishiyagalombili, a ba bulala ngasikati sinye.

9 Emva kwake uEleazari indodana ka Dodo umAlohiti, omunye kwabatatu abanamandhla baka Davida, lapo be delela amaFilisti a e butene ndawonye ukulwa, nabantu ba kwaIsraeli se be hanbile.

10 Wa suka wa tyaya amaFilisti kwa za kwa katala isandhla sake, isandhla sa namatela kuyo inkemba; uJehova wenza ukwahlula okukulu ngalolo 'suku: nabantu ba buya emva kwake ukubuta impango kupela.

11 Emva kwake uShama indodana ka Age umHarari, amaFilisti a e butene aba iviyo lapo kwa ku kona umhlabati u gewele amalentile: Abantu ba wa balekela amaFilisti.

12 Wema ngapakati komhlabati, wa u vikela, wa wa bulala amaFilisti uJehova wenza ukwahlula okukulu.

13 Abatatu ezinduneni ezingamashumi amatatu behla, ba fika kuDavida esikatini sokuvuna emhumeni wa seAdulam, impi yamaFilisti yemisa esigodini sa seRefa.

14 uDavida wa e senqabeni ngaleso 'sikati, Impi yamaFilisti ya i seBetelehema.

15 uDavida wa fisa, wa ti, kungati omunye a nga ya ku ngi puzisa amanzi ecibi la seBetelehema, eli nga sesangweni.

16 Amadoda lawo amatatu a dabula enpini yamaFilisti, aka amanzi ecibini

la seBetelehema e la li nga sesangweni, a wa tata, a wa leta kuDavida; kodwa a ka wa puzanga, wa wa tululela uJehova.

17 Wa ti, A ku be kude kimi, Jehova, ukuba ngenze lento, ngi puze igazi labantu aba cityu ukulahla ukupila kwabo? Ngako wa nqaba ukuwapuza. Loku kwenziwa i lawa 'madoda amatatu anamandhla.

18 uAbishai, umfo wabo ka Joabi indodana ka Zerua, wa ba induna yamashumi amatatu. Wa pakamisa umkonto wake kwa ba ngamakulu amatatu, wa ba bulala, wa ba negama pakati kwamashumi amatatu.

19 Wa e nge mkulu pakati kwamashumi amatatu na? Ngako wa ba induna yabo: kodwa a ka lingananga nabatatu.

20 uBenaia indodana ka Jehoida, indodana yomuntu o iqawe, wa seKabzeli, o wa enzile okukulu, wa bulala amaqawe amabili a seMoabi; wehla wa bulala lubesi ngapakati kongodi ngosuku luba ngqoqwane.

21 Wa bulala umEgipite, umuntu o namandhla: lowomuntu e pete umkonto esandhleni sake; kodwa yena wa ya kuye e pete induku, wa hlwita umkonto esandhleni somEgipite, wa m bulala ngomkonto wake.

22 Lezi 'zinto zenziwa uBenaia indodana ka Jehoida, wa ba negama kumadoda amashumi matatu.

23 Wa ba dhlula ngobuqawe aba ngamashumi amatatu labo, kodwa a ka fikanga kwabatatu. uDavida wa m misa a be umlindi wake.

24 uAsabeli umfo wabo ka Joabi wa ye ngomunye wamashumi amatatu; uElhanani indodana ka Dodo umBetelehema.

25 uShama umHarodi, uElika umHarodi.

26 uHelezi umPaleti, uIra indodana ka Ikeshi umTekoi.

27 uAbieza umAnetoti, uMebunai umHushati.

28 uZalmone umAhohi, uMaharai umNetofati.

29 uHelebi indodana ka Baana, umuntu wa seNetofati, uIttai indodana ka Ribai o wa puma eGibea wabantwana baka Benjamini.

30 uBenaia umPiraton, uHiddai wa nga semifuleni ya seGashi.

31 uAbi-alboni umArbati, uAz maveti umBarhumi.

32 uEliaba umShalboni, wa kumadodana aka Jasheni, uJonatani.

33 uShama umHarari, uAhiamu indodana ka Shera umHarari.

34 uElifeleti indodana ka Ahasbai, indodana yomMaakati, uEliamu indodana ka Ahitofeli umGiloni.

35 uHezrai umKarmeli, uParai umArbi.

36 uIgali indodana ka Natani wa seZoba, uBani umGadi.

37 uZelegi umAmoni, uNahari umBeroti, umpati wezikali zika Joabi indodana ka Zeruaia.

38 uIra umItri, uGarebi umItri.

39 uUria umHiti; be ngamashumi amatatu nesikombisa be bonke.

ISAHLUKO 24.

ULAKA luka Jehova lwa buya lwa vuta ngoIsraeli, wa vusa uDavida ukuba a ti kubo, hambani, ni bale uIsraeli noJuda.

2 Ngokuba inkosi ya ti kuJoabi induna yempi, e ya i naye, Hamba manje kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, u suke eDani u ze u fike eBersheba, u bale abantu, ukuze ngi wazi umumo wabantu.

3 Wa ti uJoabi enkosini, uJehova inkosi yako andise abantu, nokuba ba be ngakanani noma amakulu, ukuze amehlo enkosi yami, inkosi, i ku bone kodwa ku ngani ukuba inkosi yami inkosi, i jabule ngalento na?

4 Izwi lenkosi la mahlula uJoabi nezinduna zempi. uJoabi nezinduna zempi wa puma enkosini uku bala abantu ba kwa Israeli.

5 Ba wela iJordani ba misa eAroeri, ngakwesokuponsa komuzi o ngapakati komfula wa seGadi, be bheka eJazeri.

6 Ba fika eGiladi, na sezweni la se-Tahtimhodshi; ba fika eDanjaani, na nga seZidoni.

7 Ba fika enqabeni ya seTire, na semizini yonke yamaHivi, ne yamaKenani; ba pumela ngasezansi kweJuda, eBersheba.

8 Se be hambile kulo lonke izwe, ba fika eJerusalema ekugeineni kwezinyanga ezi shiyagalolunye nezinsuku ezi ngamashumi amabili.

9 uJoabi wa i nika inkosi umumo wabantu bonke: kwa ba kona kwa ba kwa-Israeli amaqawe a izinkulungwane ezingamakulu a shiyagalombili aba be pata inkemba: na ba kwa Juda ba be ama-

doda a izinkulungwane ezi ngamakulu a isihlanu.

10 Inhliziyo ka Davida ya m tyaya emva kokubala kwake abantu, wa ti uDavida kuJehova ngonile kakulu ku loku engi kwenzileyo; manje, ngi ya kunxusa Jehova, susa ukona kwenceku yako: ngokuba ngenzile ngobuula.

11 Ekuvukeni kuka Davida kusasa, ngi lika Jehova la fika kuGadi umprofiti umqondisi ka Davida, li ti,

12 Hamba u ti kuDavida, u ti uJehova; Ngikunika izinto ezintatu, keta enye kuzo ukuba ngi kwenzele yona.

13 uGadi wa fika kuDavida, wa m tye-la, wa ti kuye, Ku nga fika kuwe iminyaka e isikombisa yendhlala ezweni lako na? Noma u balekele izita zaku izinyanga ezintatu zi ku landela na? Noma ku fike isifo esesabekayo ngezinsuku ezintatu ezweni lako na? Qonda-ke manje u bone impendulo e ngi za ku yi buyisela ko ngi tumileyo.

14 uDavida wa ti kuGadi, ngi eindezekile kakulu: Ma si wele esandhlani sika Jehova; ngokuba umusa wake umkulu; ma ngi nga weli esandhlani somuntu.

15 uJehova wa tuma isifo esesabekayo pezu kwaba kaIsraeli, kwa qala kusasa kwa ze kwa fika isikati esimisiweyo; kwa fa amadoda a izinkulungwane ezingamashumi a isikombisa, ku suka eDani kwa ze kwa geina eBersheba.

16 Lapo ingelosi yelula isandhla sayo pezu kweJerusalema ukulibulala, uJehova wa penduka ebubini, wa ti kuyo ingelosi e bulele abantu, se kwanele: bamba isandhla sako. Ingelosi ka Jehova ya i ngasendaweni yokubula ka Arauna umJebusi.

17 uDavida wa kuluma kuJehova lapo e bona ingelosi e bulala abantu, wa ti, ngonile impela mina ngenzile okubi; kodwa lezizimvu, zenzeni na? Ngikunxusa, isandhla sako ma si be pezu kwami na pezu kwendhlu ka baba.

18 uGadi wa fika nga lolo suku ku-Davida, wa ti kuye, Kupuka wakele uJehova ilati endaweni yokubula ka Arauna umJebusi.

19 uDavida njengokutyo kuka Gadi wa kupuka wenza njengokuyala kuka Jehova.

20 uArauna wa bheka, wa bona inkosi nezinceku zayo zi za kuye: uArauna wa puma, wa kotuma ngobuso pansu ngapamibi kwenkosi.

21 uArauna wa ti, Inkosi yami inkosi

i fikeleni encekwini yayo na? Wa ti uDavida ukutenga indawo yokubula kuwe, ukwakela kona uJehova ilati ukuze lesi'sifo esesabekayo si pele kubantu.

22 Wa ti uArauna kuDavida, Inkosi yami inkosi ma i tate i nikele loko e ku bonayo: bheka nazi izinkabi zomnikelo, nezinto zokubula, nezinto ezinye zokusebenza izinkabi, zi be ezezinkuni.

23 Zonke lezi 'zinto uArauna ngobukosi bake wa zi nika inkosi, wa ti uArauna enkosini, uJehova uTixo wako ma kwamkele.

24 Ya ti inkosi kuArauna, qa: kodwa impela ngi za kukutenga kuwe ngemali; a ngi yi kunikela izipo ezityisiweyo kuJehova uTixo wami, ku loko o ku nga ngi bizanga luto. Ngako uDavida wa i tenga indawo yokubula nezinkabi ngamashekelo esiliva a ngamashumi a isihlanu.

25 uDavida wakela kona uJehova ilati wa nikela izipo ezityisiweyo nezipo zomusa. Ngako uJehova wa nxuselwa izwe, isifo esesabekayo sa nganyulwa eIsraeli.

INCWADI YOKUQALA

YAMAKOSI.

ISIAHLUKO 1.

**N**GA lesosikati uDavida wa e mdala e nemihla eminingi; ba m ambatisa izingubo, kodwa ka fuduneyzwanga.

2 Ngako izinceku zake za ti kuye, Ma ku funelwe inkosi yami, inkosi ya kiti intombi epelayo: ma i me pambi kwenkosi, i hlale nayo i lale esifubeni sako, ukuze inkosi yami, inkosi ya kiti i fudumale.

3 Ba suka ba yi funa intombi enhle emazweni onke kwa Israeli, ba m fumana uAbishage wa seShunemu, ba m zisa enkosini.

4 Lentombi ya i inhle kakulu, ya hlala nayo inkosi, ya yonga; kodwa inkosi ya i nga yazi.

5 Kona uAdonija indodana ka Hagiti wa zipakamisa, e ti, Mina ngi ya kuba inkosi: wa zilungisela izinqola nabakweli bamahashi, nabantu aba ngamashumi amahlanu ukugijima ngapambili kwake.

6 Uyise wa e nga m kuzanga nakanye ngokuti, Wenzeleni loku na? futi naye wa e muhle kakulu, yena wa m elama uAbsalomu kunina.

7 Wenza icebo noJoabi indodana ka Zerua, noAbiataru umpristi: laba ba ni landela uAdonija, ba ni siza.

8 Kodwa uZadoki umpristi, noBenia indodana ka Jehoida, noNatani umprofeti, noShimi, noReyi, amaqawe ka Davida, ba be ngahlangani naye uAdonija.

9 uAdonija wa hlaba izimvu, nezinkabi, neziinkomo ezinonileyo, nga setyeni la seZoholeta, oku nga seEnrogeli, wa ba mema bonke abafu wabo, amadodana enkosi, nabantu bonke ba kwa Juda, izinceku zenkosi.

10 Kepa uNatani umprofeti, noBenia, namaqawe, noSolomona umfo wabo, ka ba memanga.

11 Ngako uNatani wa kuluma noBatsheba unina ka Solomona, wa ti, Ka u zwanga yini ukuba uAdonija indodana ka Hagiti u se inkosi, uDavida inkosi yetu kazi kodwa.

12 Ngako a ke u lalele, ngi ku nike icebo, ukuze u zisindise wena, kanye nedodana yako uSolomona.

13 Hanba, u ye enkosini uDavida, u ti kuye, Ka u funganga yini wena, nkosi yami, nkosi yakiti, kuyo incekekazi yako, wa ti, uSolomona indodana yako, u ya kubusa esikundhleni sami, u ya kulhala esihlalweni sami sobukosi? po ku njani ukuba uAdonija u ya busa?

14 Bhekake, njalo lapo u sa kuluma kona enkosini, mina ngi ya kungena ngasemva kwako, ngi wa qinise amazwi ako.

15 uBatsheba wa ngena enkosini endhlini, inkosi ya i gugile impela, uAbishage wa seShunemu wa yonga inkosi.

16 uBatsheba wa kotama, wa kuleka enkosini. Inkosi ya ti, U funa ntoni na?

17 Wa ti kuye, Nkosi yami, wena wa m funga uJehova uTixo wako kuyo incekukazi yako, wa ti, uSolomona indodana yako u ya kubusa esikundhlени sami, u ya kuhlala esihlalweni sami sobukosi.

18 Bhakake kaloku, nangu uAdonija u se busa, kepa wena, nkosi, nkosi ya kiti, ka u kwazi loku.

19 U se hlabile izinkabi, nezinkomo eziunileyo, kanye nezimvu eziningi, u wa memile amadodana onke enkosi, noAbiatarі umpristi, noJoabi induna yamabuto: kodwa ka m memanga uSolomona inceku yako.

20 Yebo, nkosi yami, nkosi ya kiti, amehlo abaIsraeli bonke a bheka kuwe, ukuba u ba kombise ubani o za kuhlala esihlalweni sobukosi senkosi yami, inkosi ya kiti; esikundhlени sayo.

21 Funa lapo inkosi yami, inkosi ya kiti i si lele nokoko bayo, mina kanye nendodana yami uSolomona si tiwe izoni.

22 Kwa ti e sa kuluma nenkosi, kwa ngena noNatani unprofeti.

23 Ya tyelwa inkosi ukuti, Nangu uNatani unprofeti. Wa ngena enkosini, wa yi kotamela inkosi wa ti mbo ngobuso emhlabatini.

24 Wa ti uNatani, Nkosi yami, nkosi ya kiti, imbala u tyilo wena ukuti, uAdonija u ya kubusa esikundhlени sami, u ya kuhlala esihlalweni sami sobukosi?

25 Ngokuba namhla u sehlele u se hlabile izinkabi, nezinkomo ezi nonileyo, nezimvu eziningi, u wa memile namadodana onke enkosi, nezinduna zamabuto, kanye noAbiatarі umpristi; kanjalo, ba ya dhla ba ya puza pambi kwake, ba ti, Ma i hlale inkosi uAdonija.

26 Kodwa mina, inceku yako, noZadoki umpristi, noBenia indodana ka Jehoida, noSolomona inceku yako, ka si nemanga.

27 Konje leyonto yenziwa iyo inkosi yami, inkosi ya kiti na? u nga yazisanga inceku yako, ubani o za kuhlala esihlalweni sobukosi senkosi yami, inkosi ya kiti, esikundhlени sayo?

28 Wa pendula uDavida inkosi wa ti, Ngi bizela uBatsheba. Weza ebusweni henkosi, wema pambi kwenkosi.

29 Inkosi ya funga, ya ti, U kona uJehova, o ngi sindisile ekuhlupukeni konke kwami.

30 Njengokuba nga funga kuwe uJe-

hova uTixo ka Israeli, nga ti, Iqiniso uSolomona indodana yako u ya kubusa esikundhlени sami, u ya kuhlala esihlalweni sami sobukosi ngasemva kwami; impela ngi ya kwenze njalo namhlanje.

31 uBatsheba wa kotama wa ti mbo ngobuso emhlabatini, wa kuleka enkosini, wa ti, Inkosi yami uDavida ma i me ku be ngunapakade.

32 Wa ti uDavida inkosi, Ngi bizele oZadoki umpristi, noNatani unprofeti, noBenia indodana ka Jehoida. Beza pambi kwenkosi.

33 Inkosi ya ti kubona, Tatani izinceku zenkosi yenu, ni m kwelise uSolomona indodana yami enjomaneni yami, nehlele naye eGihone.

34 uZadoki umpristi noNatani unprofeti ma ba m mise kona, a be inkosi yabaIsraeli, ni vutele amatilongo ni ti, Ma i pile inkosi uSolomona.

35 Ni ya kubuya nenyuke ngasemva kwake; u ya kuza a hlale esihlalweni sami sobukosi; ngokuba yena u ya kubala inkosi esikundhlени sami: ngi m misile a be inkosi yabaIsraeli neyabaJuda.

36 Wa pendula uBenia indodana ka Jehoida enkosini, wa ti, Amenі: uJehova uTixo wenkosi yami, inkosi ya kiti ma a tyo njalo naye.

37 Njengokuba uJehova wa be nayo inkosi yami, inkosi ya kiti, njalo ma a be naye uSolomona, a senze isihlalo sake sobukosi si be sikulu ku naso isihlalo sobukosi sika Davida inkosi yami, inkosi ya kiti.

38 Kwa suka uZadoki umpristi, noNatani unprofeti, noBenia indodana ka Jehoida, namapolis, nezigijimi, zehla, za kwelisa uSolomona embongolweni yenkosi uDavida za m yisa eGihone.

39 uZadoki umpristi wa tata upondo lwamafuta etenteni, wa m geoba uSolomona. Ba vutela itilongo; abantu bonke ba ti, Ma i pile inkosi uSolomona.

40 Abantu bonke ba kupuka ngasemva kwake, abantu ba beta imintyingo, ba jabula ngokujabula okukulu, kwa duma izwe ngomsindo wabo.

41 uAdonija nabo bonke abamenyiweyo aba be hlezi kona naye, bezwa lomsi-ndo ekuqedeni kwabo ukudhla. uJoabi wezwa ukukala kwetilongo, wa ti, Owani lomsi-ndo emuzini nokukuluma okumpitimpiti?

42 E sa kuluma, wa fika uJonatani indodana ka Abiatarі umpristi, uAdonija

wa ti kuye, Ngena, wena, ndoda e qunga isibindi u ze nezindaba ezitokozisayo.

43 Wa pendula uJonatani wa ti ku-Adonija, Ngi qinisile inkosi yetu inkosi uDavida u m bekile uSolomona a be inkosi.

44 Inkosi i tumile naye uZadoki umpristi, noNatani umprofeti, noBenia indodana ka Jehoida, namapolisa, nezigijimi, za m kwelisa embongolweni yenkosi:

45 Njalo uZadoki umpristi noNatani umprofeti ba m geobile eGihone a be inkosi: se be vela kona be tokoza, kwa dungunyeka nomuzi, wona umsindo eni wu zwileyo.

46 Yebo uSolomona u hlezi esihlalweni sobukosi sombuso.

47 Kwa fika izinceku zenkosi ukubonga inkosi yetu, inkosi uDavida, zi ti, uTixo menze igama lika Solomona li be e li lungile ku negama lako, enze isihlalo sake sobukosi si be si kulu ku nesihlalo sobukosi sako. Inkosi ya zi kotamela embedeni wayo.

48 Ya ti inkosi, Ma ka dunyiswe uJehova uTixo ka Israeli, o misile namhla, omunye ukuhlala esihlalweni sami sobukosi, amehlo ami e sa bona nje.

49 Abamenyiweyo aba be kona noAdonija besaba, ba suka, ba hamba bonke ngezindhlela zabo.

50 Wesaba uAdonija ngenxa ka Solomona, wesuka, wa ya wa bamba izimpondo zelati.

51 uSolomona wa tyelwa ukuti, Bheka, uAdonija u ya yesaba inkosi uSolomona: bhekake, u se bamba izimpondo zelati, e ti, Inkosi uSolomona ma ka ngi fungele namhlanje ukuti a ka yi kuyibulala inceku yake ngenkamba.

52 uSolomona wa ti, Uma yena u ya bonakalisa ukuba u ngumuntu o nesiminyanya, a ku yi ku wa nalunye lwezindlewe zake emhlabatini; kodwa uma okubi ku funyenwe kuye, u ya kufa.

53 Njalo inkosi uSolomona ya tuma, ba m ehlisa nga selatini. Weza wa kuleka enkosini uSolomona: uSolomona wa ti kuye, Hamba u ye endhlini yako.

## ISAHLUKO 2.

**Z**A sondela izinsuku zokufa kuka Davida; wa m yala uSolomona indodana yake wa ti:

2 Mina ngi ya hamba ngendhlela yomhlaba wonke, wo qinisa u zi bonise ukuba u indoda impela:

3 U geine umteto ka Jehova uTixo wa-

ko, u hambe ezindhleleni zake, a geine imiteto yake, nemiyo yake, nezimiso zake, nezigimiso zake, njengokulotyweyo emtetweni ka Mosi, ukuze u sizeke ngako konke o kwenzayo, na lapo u hambela kona.

4 Ukuze uJehova a qinise izwi lake a li shumayelayo ngami, wa ti, Uma nxa abantwana bako ba geine izindhlela zabo, ba hamba pambi kwami eqinisweni ngenhliziyo yonke yabo, nangompefumlo wonke wabo, a ku yi kusweleka muntu esihlalweni sobukosi sabaIsraeli, u tyo njalo uJehova.

5 Futi nawe u yazi loko okwenziweyo kimi nguJoabi indodana ka Zerua, na loko a kwenzileyo ezinduneni ezimbili zamabuto abaIsraeli, kuAbneri indodana ka Neri, na kuAmasa indodana ka Jetro, a ba bulalayo, wa palaza igazi lokulwa ngesikati sokutula, wa li beka igazi lokulwa oqotweni lwake olu sokalweni lwake, na sezicatulweni zake eza zi sezinyaweni zake.

6 Yenza njaloke ngokuhlakanipa kwako, u nga yeki izimvi zake zi tyone etuneni e tokoza.

7 Ma u wa pate kahle amadodana ka Barzilai umGiladi, ma wa be kona kubona o bondhlayo, ngokudhla kwako; ngokuba njaloke beza kimi muzukwana nga m balekela umfo wenu uAbsalomu.

8 Bheka, nangu uShimi indodana ka Gera, umBenjamini waseBahurimu, owa ngi tuka ngokutuka okubi muzukwana nga ya eMahanami: kodwa wehla ukungihlangabeza eJoredani, nga funga uJehova, nga ti, A ngi yi kukubulala ngenkamba.

9 Ngako kalokunje u nga m teteleli: ngokuba wena u indoda e hlakanipile, u ya kwazi okufanele u kwenze kuye; izimvi zake ma u zehlise etuneni zi negazi.

10 Njaloke uDavida wa lala nokoko bake, u mbelwa emuzini ka Davida.

11 Izinsuku zika Davida zokubasha kwa Israeli za zi iminyaka e ngamashumi amane: wa busa iminyaka e isikombisa eHebroni, wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amatatu nantatu.

12 Ngasemva kwa lesosikati uSolomona wa hlala esihlalweni sobukosi sika yise uDavida; umbuso wake wa qiniseka ngamandhla.

13 Weza uAdonija indodana ka Hagiti kuBathsheba unina ka Solomona, wa buza wa ti, U ze ngotando na? wa ti, Ngi ze ngotando.

14 Wa ti, Ngi ze nendaba kuwena. Wa ti, Quba si zwe.

15 Wa ti, U yazi ukuba umbuso wa u ngowami, ukuba abaIsraeli bonke ba be bheka ukuba ngi buse: kodwa umbuso wa guqulwa u be ngowomfo wetu: ngokuba wa u piwa uJehova.

16 Kaloku ngi ya cela into inye kuwena, musa ukunginqabela. Wa ti kuye, Kuluma ngi zwe.

17 Wa ti, A ku ngi kulumele enkosini uSolomona, (ngokuba ka yi ku nqabela wena) ukuba a ngi nike uAbishage wa seShunemu a be umfazi wami.

18 Wa ti uBatsheba, Ku lungile pela, ngi ya kukukulumela enkosini.

19 Wa suka uBatsheba wa ya kuyo inkosi uSolomona, ukumkulumela uAdonija. Inkosi yesuka ukumhlangabeza, ya m kotamela, ya hlala esihlalweni sayo sobukosi, kwa m bekelwa unina wenkosi isihlalo; wa hlala esandhleni sake sokunene.

20 Wa ti, Ngi ya cela intwana kuwe, ngi ya kuncenga u ngali. Inkosi ya ti kuye, Cela, mame; ngokuba a ngi yi kwala kuwena.

21 Wa ti, Ma ka nikwe uAbishage wa seShunemu kuAdonija umfo wenu, a be umfazi wake.

22 Inkosi uSolomona wa pendula wa ti kunina, Wena u m celelelani uAdonija uAbishage wa seShunemu? M celele nombuso futi; ngokuba yena u ngumfo wetu omkulu; ba celele futi noAbiataru umpristi, noJoabi indodana ka Zerua.

23 Njalo inkosi uSolomona ya funga uJehova, ya ti, uTixo menze njalo kimi, na ngapezu kwaloko, uma uAdonija ka kulumanga lelizwi lokuzilahla yena.

24 U kona uJehova, yena o ngi qinile, o ngi misile esihlalweni sobukosi sika Davida ubaba, wa ngenzela indhlu, njengezwi lake, iqiniso uAdonija u za ku bulawa namhlanje.

25 Inkosi uSolomona wa tuma ngesandhla sika Benia indodana ka Jehoida; wa m gela wa za wa fa.

26 Na kuye uAbiataru umpristi inkosi ya ti, Hamba u ye eAnatote, ezweni lako, ngokuba wena u fanele ukufa: noko a ngi yi kukubulala manje, ngokuba wa twala umpongolo ka Jehova uTixo pambi kuka Davida ubaba, na ngokuba wena wa hlutywa ngako konke ubaba a hlutywa ngako.

27 Njalo uSolomona wa m xotya uAbiataru e nga sa bi umpristi ka Jehova; uku-

ze li gwaliseke izwi lika Jehova, a li kulumayo ngayo indhlu ka Eli eShilo.

28 Kwa fika indaba kuJoabi: (ngokuba uJoabi u be sa landela uAdonija, kepa e be nga m landelanga uAbsalomu) uJoabi wa baleka wa ya etenteni lika Jehova, wa zi bamba izimpondo zelati.

29 Kwa bikwa kuSolomona inkosi ukuti, uJoabi wa e balekile e ye etenteni lika Jehova; bheka u salatini. Kona uSolomona wa tuma uBenia indodana ka Jehoida, wa ti, Hamba u m bulale.

30 uBenia weza etenteni lika Jehova, wa ti kuye, I ti inkosi, Puma. Wa ti, Qa; kodwa ngi ya kufa kona lapa. uBenia wa pindeliselela lelizwi enkosini, e ti, uJoabi wa ngi pendula wa ti.

31 Ya ti inkosi, Yenza njengokutyo kwake, u m bambe, u m bulale; ukuze u suse kimi, na kuyo indhlu ka baba, igazi eli nge nacala, ela palazeka uJoabi.

32 uJehova u ya kupindisela igazi lake pezu kwekanda lake, yena o wa bulala amadoda amabili a yingewele alungileyo ku naye, wa wa gela ngenkamba, ubaba uDavida e ngazi, ukuti, uAbneri indodana ka Neri, induna yamabuto abIsraeli, noAmasa indodana ka Jetro, induna yamabuto abaJuda.

33 Ngako igazi labo li ya kupindesela pezu kwekanda lika Joabi, na pezu kwekanda lenzalo yake ku ze ku be pakade, kodwa kuDavida, na kuyo inzalo yake, na kuyo indhlu yake, nakuso isihlalo sobukosi sake, njalo ku ya kuba kona ukutula okuvela kuJehova.

34 Njalo wa kupuka uBenia indodana ka Jehoida, wa m bamba wa m bulala: wa mbelwa endhlini yake ehlane.

35 Inkosi ya m misa uBenia indodana ka Jehoida esikundhleni sake pezu kwamabuto; uZadoki umpristi wa miswa esikundhleni sika uAbiataru.

36 Inkosi ya tuma ya m biza uShimi, ya ti kuye, Wo zakela indhlu eJerusalem, u hlale kona, u nga suki kona ukuya ndawo.

37 Ku za kuti, mzukwana u pumayo, u Wela umfula okutiwa iKedroni, yazi ukuba iqiniso u za kufa nokufa; igazi lako li ya kuba pezu kwekanda lako.

38 uShimi wa ti enkosini, Ukutyo kwako ku lungile: ineku yako i ya kwenza njengokutyo kwenkosi yami, inkosi ya kiti. uShimi wa hlala eJerusalem izinsuku za ziningi.

39 Kwa ti ekupeleni kweminyaka emi-

tatu, izinceku ezimbili zika Shimi za baleka za ya kuAkishi indodana ka Maka inkosi ya seGati, ba m tyela uShimi ba ti, Izinceku zako zi seGati.

40 Wa suka uShimi, wa bopela imbongolo yake, wa ya eGati ku Akishi e funa izinceku zake: uShimi wa ya, wa zi buyisa nga seGati.

41 Kwa bikelwa kuSolomona ukuti uShimi wa be e sukile eJerusalenia wa ya eGati, wa e se buyile.

42 Ya tuma inkosi ya m biza uShimi, ya ti kuye, A ngi ku fungisanga uJehova na, nga qinisa kuwe, nga ti, Yazi ukuba, mzukwana u suka lapa, u hambe ezindaweni ezinye, iqiniso u za kufa? Wena wa ti kimi, Izwi e ngi li zwileyo li lungile.

43 Po ku ngani ukuba a ku geinanga isifungo sika Jehova, nomyalo wami enga ku yala wona?

44 Inkosi ya buya ya ti kuShimi, U yazi okubi konke oku kona enhliziyweni yako, o bu kwenza kuDavida ubaba; uJehova u za kupindisela okubi kwako pezu kwekanda lako;

45 Inkosi uSolomona i ya kubusiswa, isihlalo sobukosi sika Davida si ya kuqiniswa pambi kuka Jehova ku be ngunapakade.

46 Inkosi ya yala uBenia indodana ka Jehoida, wa puma, wa m gela wa za wa fa. Njalo umbuso wa qiniseka esandhleleni sika Solomona.

### ISAHLUKO 3.

**U**SOLOMONA wa hlangana noFaro inkosi ya sEgipite, wa yi tata indodakazi ka Faro, wa yi zisa emuzini ka Davida, i bi kona wa za wa qeda ukwaka indhlu yake, nendhlu ka Jehova, nodonga oluzungezayo iJerusalema.

2 Kodwa abantu ba be nikela ezindaweni ezipakamileyo, ngokuba be ku nge ko indhlu eyakelwa igama lika Jehova, kwa za kwa ku lezozinsuku.

3 uSolomona wa m tanda uJehova, wa hamba ngemiyalo ka Davida uyise: kodwa wa nikela wa tyisa inpepo ezindaweni ezipakamileyo.

4 Inkosi ya ya eGibeoni ukunikela kona, ngokuba yona leyo ya i indawo epakamileyo enkulu: uSolomona wa nikela elatini lelo iminikelo yokutya e inkulungwane.

5 Kona eGibeoni uJehova wa bonakala kuSolomona ebusuku epupweni: uTixo wa ti, Cela loko engi ya kukunika kona.

6 uSolomona wa ti, Wa i pata kahle kakulu inceku yako uDavida ubaba, njengokuhamba kwake pambi kwake ngeqiniso, na ngobungewele, na ngenhliziyoyelungileyo kuwena, wa m geinela lomusa omkulu, wa m nika indodana yokuba i hlale esihlalweni sake sobukosi, njengokuba ku njalo namhla.

7 Kaloku, Jehova Tixo wami, u bekile inceku yako i be inkosi esikundhleleni sika Davida ubaba: inganti mina ngi ingane nje: ka ngi kwazi nokupuma nokungena.

8 Inceku yako i pakati kwabantu bako o ba ketileyo, isizwe esikulu, esi nge nakubalwa ngobuningi baso.

9 Ngako i pe inceku yako inhliziyoyokuqonda ukuba ngi buse abantu bako, ngazisise okuhle nokubi: ngoba e ngubani o namandhla ukubusa abantu bako laba, isizwe esikulu kangaka.

10 Kwa ku lungile emehlweni eNkosi, ngokuba uSolomona wa cela leyonto.

11 Wa ti uTixo kuye, Ngokuba u celile leyonto, a ku zicelelanga imihla eminingi, futi a ku zicelelanga nemfuyo; futi a ku celanga nokufa kwezita zako: kodwa u zicelele ukuhlakanipa nengqondo ekubuseni;

12 Bhekake, ngenzile njengokutyo kwako; ngi ku nikile inhliziyoye nokuhlakanipa e nokuqonda; fu ti wa e nge ko o njengawe ngapambili kwako, futi na ngasemva kwako a ku yi kubako o njengawe.

13 Futi ngi ku pile leyonto o nga yi celanga, ukuti imfuyo enkulu, nodumiso: njalo a ku yi kubako o fana nawe pakati kwamakosi ezinsukwini zonke zako.

14 Uma u ya kuhamba ngezindhlela zami, u geine imiyalo yami nezimemezelo zami, njengokuba uyihlo uDavida wa zi geina, mina ngi ya kwandisa imihla yako.

15 uSolomona wa papama; bheka, kade e pupa. Weza eJerusalema, wema pambi kompongolo wesivumelwano ka Jehova, wa nikela iminikelo yokutya, wa nikela neminikelo yokutula, wa zenzela izinceku zonke zake idili.

16 Beza enkosini abafazi ababili, abayizifebe, bema pambi kwayo.

17 Wa ti umfazi omunye, We, nkosi yami, tina kanye na lomfazi si hlala endhlini inye, nga beleta umtwana, yena e sendhlini.

18 Kwa ti izinsuku ezintatu ngasemva

kokubeleta kwami, lomfazi naye wa beleta: sa si ndawonye; kwa ku nge ko muntu endhlini, tina sobabili kupela.

19 Umtwana wa lomfazi wa fa ebusuku; ngokuba wa lala pezu kwake.

20 Wa suka ebusuku, wa m tata umtwana wami nga secaleni lami, incekukazi yako i lele ubutongo, wa m beka umtwana wami esifubeni sake, wa beka owake ofileyo esifubeni sami.

21 Ekuvukeni kwami kusasa lapo nga be ngi za kuncelisa umtwana wami, bheka, wa e se file: nga ze nga m bheka kusasa, nga bona ukuba kwa ku nge siye umtwana wami, engi m zeleyo.

22 Umfazi omunye wa ti, Qa; ozwayo u umtwana wami, ofileyo u ngumtwana wako, omunye wa ti, Cabo, ofileyo u ngumtwana wako, ozwayo u ngumtwana wami. Ba kuluma kanjalo enkosini.

23 Ya pendula inkosi, Omunye u ti, Owami lomtwana ozwayo, owako ofileyo, omunye u ti, Cabo, owako lo ofileyo, owami ozwayo.

24 Inkosi ya ti, Ngi letele inkemba. Ba zisa inkemba enkosini.

25 Ya ti inkosi, M dabule kabili lomtwana ozwayo, u m nike umfazi omunye inxenye, nomfazi omunye inxenye.

26 Wa kuluma enkosini lomfazi o ngowake umtwana ozwayo, ngokuba imbilini yake ya vuta ngenxa yomtwana wake, wa ti, E, ukosi yami, m nike yena umtwana ozwayo, u nga m bulali, kodwa lomfazi omunye wa ti, Ma ka nga bi ngowami na ngowako; ma ka datyulwe.

27 Ya pendula inkosi ya ti, M nikeni umtwana ozwayo, ni nga m bulali, uyenana o ngunina.

28 Bonke abaIsraeli bezwa lelicala ela tetwa inkosi; ba yesaba inkosi, ngokuba ba be bona ukuba ukuhlakanipa kuka Tixo ku kuyo, ekuteteni kwayo amacala.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti inkosi uSolomona ya i inKosi yabaIsraeli bonke.

2 Nanka amakanzana ake: uAzaria indodana ka Zadoki umpristi;

3 uElihorefa noAhia, amadodana ka Shisha, ababali; uJehoshafati indodana ka Ahiludi, umkumbuzi wezindaba.

4 uBenia indodana ka Jehoida wa e induna yamabuto, uZadoki noAbiatar ba be ngabapristi:

5 uAzaria indodana ka Natani wa e

inkosi yezinduna: uZabuda indodana ka Natani wa e umpristi omakulu, umhlobo wenkosi,

6 uAhisha wa miselwa endhlini: uAdoniram indodana ka Abda wa miselwa ukutelisa imali.

7 uSolomona wa misa izinduna ezi ishumi nambili kubo bonke abaIsraeli, zona za mela ukudhla kwenkosi nokudhla kwabo a bendhlu yake: zonke za mela ukudhla, kwa ba ileyo ya ku mela inyanga inye yomnyaka.

8 Ilawa amagama azo: Indodana ka Hure, entabeni kwa Efraimi:

9 Indodana ka Dekare, eMakaze, eShalimu, na seBetishemeshi, na seElonebetahanana:

10 Indodana ka Hesede, eArubote, kwa ku ngelake iSokohe, nezwe lonke la seHeferi.

11 Indodana ka Abinadabi, ezintabeni zonke za seDore; unifazi wake wa e nguTafate indodakazi ka Solomona.

12 uBana indodana ka Ahiludi; la li ngelake iTanaki neMegido, nalo lonke iBetshani, eli nga seZartana enzansi kweJezreli, ku suka seBetshani ku ze ku fike eAbelamehola, ku ze ku fike ngapambili kweJokneamu.

13 Indodana ka Gebere, eRamote-giladi, ya i ngeyake imizi ka Jaire indodana ka Manasa, eGiladi, futi la li ngelake izwe la seArgobe eBashane, (imizi emikulu e ngamashumi a isitupa, e nezindonga nezihlutulo zetusi.)

14 uAhinadabe indodana ka Ido eMahanaimi.

15 uAhimazi wa e kwaNaftali, yena wa m tata uBasmate indodakazi ka Solomona a be unifazi wake:

16 uBana indodana ka Hushai wa e seAsheri na seAlote.

17 uJehoshafati indodana ka Parua, kwaIsakari.

18 uShimi indodana ka Ela, kwa Benjamin.

19 uGebere indodana ka Uri wa busa ezweni la seGiladi, ezweni lika Sihoni inkosi yamaAmori, nelika Hogi inkosi ya seBashane, wa ye induna e yodwa ku lelozwe.

20 AbaJuda nabaIsraeli ba be baningi, be ngangesihlabati solwandhle ngobuningi, ba dhla ba puza, ba jabula.

21 uSolomona wa busa emibusweni yonke, kwa qala emfuleni kwa za kwa ba nga sezweni lamaFilisti, na semkaulweni wa seGipite; ba zisa izipo, ba m ko-



nza uSolomona imihla yonke yokuhamba kwake.

22 Ukudhla kuka Solomona ngosuku lu lunye, kwa ku impupu egayekileyo izilinganiso ezi ngamashumi amatatu, nezilinganiso zempupu ezi ngamashumi a isitupa.

23 Izinkabi ezinonileyo ezi ishumi, nezinkabi ezi ngamashumi amabili zamadhlelo, nezimvu ezi ikulu, ngapandhle kwezinyamazane, nezinhlango, nonkonka, nezinkuku ezinonileyo.

24 Ngokuba yena wa busa ezweni eli nganeno komfula, kwa qala eTifsa kwa za kwa seAza, pezu kwamakosi onke nganeno komfula, wa hlala ngapandhle kokulwa ezweni lonke eli zungezayo.

25 AbaJuda nabaIsraeli ba hlala kahle, abantu bonke pansi kwesivini sabo na pansi kwemiti yamakiwanej yabo, kwa qala eDaui, kwa za kwa seBeresheba, imihla yonke ka Solomona.

26 uSolomona wa e nazo izindhlwana ezi zinkulungwane ezi mashumi mane zamahashi nezingqola zake, nabakweli bamahashi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

27 Izineku lezo za mela ukudhla kwenkosi uSolomona, ezinye ngezinye ngezinyanga zazo, kwa ku nga sweleki luto kuzona.

28 Ibarle kanye nefolije lamahashi, namahashi okugijima, zi ku zisa enkosini, ku ileyo njengomsebenzi wayo.

29 uTixo wa mu pa uSolomona ukuhlakanipa, nengqondo enkulu kakulu, nebhiziyo enkulu, ngangesihlabati sa sobeneni lolwandhle.

30 Ukuhlakanipa kuka Solomona kwa dhlu la ukuhlakanipa kwabantu bonke aba sempumalanga, nokuhlakanipa kwa ba sEgipite.

31 Yebo, wa e hlakanipile ku nabantu bonke; ku naye uEtani umEzra, noHemani, noKalkole, noDarda, amadodana ka Mahole, udumo lwake lwezwakala ezizweni zonke ezizungezayo.

32 Wa pimisela iziga ezi zinkulungwane ezintatu, amagama ake a be inkulungwane inye nesiblanu.

33 Wa kuluma ngemiti, umuti wesedare la seLebanoni, nehisope elihluma-yo odongeni, futi wa kuluma na ngezilwane, na ngezilwanyana, na ngezinyoni, na ngezinhlanzi.

34 Be suka abantu aba sezizweni zonke beza ukuzwa ukuhlakanipa kuka Solo-

mona, na semakosini onke omhlaba, a be zwile ngokuhlakanipa kwake.

ISAHLUKO 5.

UHIRAMU inkosi ya seTire wa zi tuma izineku zake kuSolomona, ngokuba e be zwile ukuti se be m nisile a be inkosi esikundhleni sika yise: naye uHiram wa e m tanda uDavida izikati zonke.

2 uSolomona wa tuma kuHiram, wa ti,

3 U ya m azi uDavida ubaba ukuba wa e nge namandhla ukwakela igama lika Jehova uTixo wake indhlu, ngenxa yokulwa okwa ku kona kubantu ezweni lonke, kwa za kwa ti uJehova wa ba beka pansi komzansi weziyayo zake.

4 Kodwa kaloku uJehova uTixo wami u ngi nikile ukupumula ngasemacaleni onke, ka si ko isita, ka ku ko nokubi.

5 Bheka, se ngi tanda ukwakela igama lika Jehova uTixo wami indhlu, njengokuba uJehova wa kuluma kuDavida ubaba, wa ti, Indodana yako, engi za kuyimisa esihlalweni sako sobukosi esikundhleni sako, yena u ya kwakela igama lami indhlu.

6 Ngako ma u ba yale, ba ngi gaulele imiti yesedare eLebanoni, izineku zami zi ya kusebenza kanye nezako: ngi ya kukukokela izineku zako njengokubiza kwako: ngokuba u yazi ka mu ko u muntu kwaba kiti okwaziyo ukugaula imiti njengamaSidonia.

7 Kwa ti uHiram e se wezwile amazwi ka Solomona, wa tokoza ngamandhla, wa ti, Ma ka dunyiswe uJehova namhla, yena o m nikileyo uDavida indodana ehlakanipileyo ukubusa lesisizwe esikulu kangaka.

8 uHiram wa tuma kuSolomona, wa ti, Se ngi qondile lezozinto owa tuma kimi ngazo: nami ngi ya kwenza intando yako yonke ngayo imiti yesedare, na ngemiti yefire.

9 Izineku zami zi ya kuyitata eLebanoni zi yi yise elwandhle: ngi ya kuyitata elwandhle ngezikebe kuyo indawo e ya kumiswa uwe, ngi ya kotula imiti kona, nawe u ya kuyitata kona lapo: u ya kutokozisa inhliziyo yami ngokupa ukudhla kubo abendhlu yami.

10 Kwa ku njalo ukuba uHiram wa m nika uSolomona imiti yesedare, nemiti yefire njengentando yake.

11 uSolomona wa m nika uHiram izilinganiso e zi zinkulungwane ezi nga-

mashumi amabili, ukudhla kwabendhlu yake, neziliganiso ezi ngamashumi amabili zamafuta acocekileyo, njalo uSolomona wa mu pa uHiramu iminyaka yonke.

12 uJehova wa m nika uSolomona ukuhlakanipha njengokutyo kwake kuye: ba be tandana oHiramu noSolomona; laba bobabili benza isivumelwano.

13 uSolomona wa kipa izibalo kuba-Israeli bonke, amadoda a izinkulungwane ezimashumi amatatu.

14 Wa wa tuma eLebanoni a izinkulungwane ezi ishumi, a pambane ngenyanga, a hlale inyanga inye eLebanoni, a buye a hlale izinyanga ezimbili ekaya, uAdoniramu wa busa izibalo lezo.

15 uSolomona wa misa abatwalayo imitwalo aba izinkulungwane ezimashumi a isikombisa, nabagauli ezintabeni aba izinkulungwane ezi ngamashumi ashiyangalombili.

16 Ngapandhle kwezinduna zeziuceku zika Solomona, zona eza geina umsebenzi, zi izinkulungwane ezintatu namakulu amatatu, eza zi busa labo abasebenzayo.

17 Inkosi ya ba yala, bona ba kipe amatye amakulu, amatye a nemali, namatye abaziweyo, ukwaka izisekelo zendhlu.

18 Abaki baka Solomona, kanye nabaki baka Hiramu ba wa baza, naba seGebeli: njalo ba lungisa imiti namatye ukwaka indhlu.

### ISAHLUKO 6.

**K**WA ti ngomnyaka wamakulu amane namashumi ashiyangalombili ngasemva kwesikati sokupuma kwabantwana ba Israeli, be puna Egipite, ngomnyaka wesine wokubusa kuka Solomona abaIsraeli, ngenyanga yokutiwa iZifi ukuti inyanga yesibili, wa qala ukwaka indhlu ka Jehova.

2 Inkosi uSolomona wa yaka indhlu ka Jehova, ukusuka kwayo kwa ku ngamakubiti a ngamashumi a isitupa, ububanzi bayo ba bu amakubiti a ngamashumi amabili nobude bayo amakubiti a ngamashumi amatatu.

3 Isango ngapambili kwetempeli lendhlu, ukusuka kwalo kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amabili ngapambili kobubanzi bendhlu, amakubiti a ishumi ububanzi balo ngapambili kwendhlu.

4 Wenzela indhlu izibuko zezinti ezibekiweyo.

5 Nga sodongeni lwendhlu wa waka amagumbi azungezayo nga sodongeni lwendhlu kanye netempeli nodebire, wenza amagumbi azungezayo.

6 Igumbi la senzansi ububanzi balo ba bu amakubiti a isihlanu, igumbi la ngapakati ububanzi balo ba bu amakubiti a isitupa, igumbi lesitatu ububanzi balo ba bu amakubiti a isikombisa; ngokuba ngapandhle kodonga lwendhlu wenza izisekelo ezizungezayo nga semacaleni onke, ukuze imityayo i nga ngeni ezindongeni zendhlu.

7 Indhlu i sakiwa, yakiwa ngamatye a ngabaziwe a sematye, njalo kwa ku ngezwakali ukutyaya kwesando, nezembe, nezinsimbi ezinye zokusebenza ku leyondhlu, i sakiwa.

8 Umnyango wendhlu o ngapakati wa u secaleni lendhlu lokunene, ba kupuka ngesikwelo esizungezayo ukuya endhlini e ngapakati nga segumbini elingapakati, ba ngena egumbini lesitatu.

9 Kanjalo wa yaka lendhlu wa yi qeda, wa fulela indhlu namagumbi ngenimithi namaplankwe esedare.

10 Waka amagumbi nga semacaleni endhlu, ubukulu bawo amakubiti a isihlanu, a bambelela endhlini na pezu kwemithi yesedare.

11 Izwi lika Jehova leza kuSolomona la ti:

12 Lendhlu o yakayo, uma u ya kuhamba ngezimiso zami wenze imiteto yami, u geine imiyalo yami yonke, u hambe ngayo; njalo ngi ya kukupata njengalo izwi lami enga li tyoyo kuDavida uyihlo.

13 Ngi ya kuhlala pakati kwabantwana baka Israeli, a ngi yi kubashiya abantu bami, abaIsraeli.

14 Kanjaloke uSolomona wa yaka lendhlu, wa yi qeda.

15 Wa zaka izindonga zendhlu ngapakati ngamaplankwe esedare, kwa suka panshi endhlini nezindonga kwa sopahle ni ngapezulu waka ngemithi wa gandaya panshi endhlini ngamaplankwe efire.

16 Waka amakubiti a ngamashumi amabili nga secaleni lendhlu la semva na sezindongeni ngamaplankwe esedare waka kona ngapakati ku be udebire, yona indawo e yingewele.

17 Indhlu, ukuti itempeli ngapambili, kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amane.

18 Isedare endhlini pakati la feketiswa izinqumbi, nembali eqakazileyo, kouke

kwa ku isedare, a ku bonakalanga natye kona.

19 Udebire wa m lungisa endhlini pakati, ukuba ku bekwe kona umpongolo wesivumelwano ka Jehova.

20 Udebire ngapambili ubude bake ba bu ngamakubiti a ngamashumi amabili, namakubiti a ngamashumi amabili ngobubanzi, ukusuka kwake kwa ku amakubiti a ngamashumi amabili wa m nameka ngegolide elihle; wa nameka ilati lesedare.

21 Njalo uSolomona wa yi nameka indhlu ngapakati ngegolide elihle wa honqa ngapambi kuka debire ngamake-tanga egolide.

22 Indhlu yonke wa yi nameka ngegolide, wa za wa yi qeda indhlu yonke, nalo lonke ilati ela li kona kudebire, wa li nameka ngegolide.

23 Pakati kuka debire wenza amakerube amabili ngemiti yomnquma, ku ilelo li nobude ukuti amakubiti a ishumi.

24 Ipiko li linye lekerubi la li ngamakubiti a isihlanu, nelinye ipiko la li ngamakubiti a isihlanu: kwa sesihlo-kweni sepiko elinye kwa za kwa ba esihlokweni selinye ipiko, kwa ku ngamakubiti a ishumi.

25 Ikerubi elinye nalo la li ngamaku-bite a ishumi, amakerubi a lingene nje, a te tuxa.

26 Ubude balo ikerubi la linye ba bu amakubiti a ishumi, nalo elinye la li njalo futi.

27 Wa wa beka amakerubi endhlini ngapakati a luleka amapiko amakerubi, kwa ti ipiko linye la fika odongeni, nalo ipiko lekerubi elinye la fika odongeni olunye, amapiko awo a hlangana pakati endhlini.

28 Wa wa nameka amakerubi ngegolide.

29 Wa feketisa izindonga zendhlu yonke ngezitombe ezibaziweyo zamakerubi, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, pakati na ngapandhile.

30 Wa nameka panshi indhlu ngegolide, ngapakati na ngapandhile.

31 Emnyango ka debire wa zenza izicaba zemiti yomnquma; ikotamo nezinsika za zi o kwesihlanu.

32 Izicaba ezimbili futi za zi imiti yomnquma; wa zi feketisa ngamakerubi abaziweyo, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, wa ku nameka ngegolide, wa nameka namakerubi, nemiti yesundu ngegolide

33 Njalo wenza emnyango wetempeli, izinsika zemiti zomnquma, okwesine odongeni.

34 Izicaba zombili za zi imiti yefire; izicaba zombili za songwa kabili.

35 Wa zi feketisa ngamakerubi, nemiti yesundu, nembali eqakazileyo, wa ku nameka ngegolide, lapo kwa bazwa kona.

36 Waka isihonqa sa ngapakati izindwendwe ezintatu zamaty e abaziweyo, nodwendwe lwemityayo yesedare.

37 Izisekelo za miswa ngomnyaka wesine, ngenyanga yokuti izifi:

38 Ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga okutiwa Buli, (ukuti inyanga yesishiyagalombili) indhlu ya qedwa, ngako konke okwayo, na sekudabuleni konke. Njalo wa yaka ngeminyaka e isikombisa.

#### ISIAHLUKO 7.

**U**SOLOMONA wa yaka indhlu yake iminyaka e ishumi nantatu, wa yi qeda indhlu yake, ya ti du.

2 Waka nendhlu yehlana la seLebanoni; ubude bayo ba bu ngamakubiti a ikulu, ububanzi bayo amakubiti a ngamashumi a isihlanu, ubukulu bendhlu ba bu ngamakubiti a ngamashumi amatatu, ezindwendweni ezine zezinsika zesedare, imityayo yesedare i bi pezu kwezinsika.

3 Ya fulelwa ngesedare pezu kwemityayo ezinsikeni ezingamashumi amane nesihlanu, izinsika zi ishumi nesihlanu udwendwe lu lunye.

4 Za zi kona izibuko, izindwendwe ezintatu, isibuko si pezu kwesibuko, izindwendwe ezintatu.

5 Yonke iminyango nezinsika za zi namacala amane zi bekelwa imityayo, isibuko si pezu kwesibuko izindwendwe ezintatu.

6 Wenza isango ngezinsika; ubude balo ba bu ngamakubiti a ngamashumi amahlanu, ububanzi balo amakubiti a ngamashumi amatatu; isango la li ngapambili kwazo; nezinsika nomgulugulu wa u ngapambili.

7 Wenza isango lesihlalo sobukosi, lapo wa e za kuteta kona amacala, isango lokuteta amacala; la li nanyekwa ngesedare emacaleni onke.

8 Indhlu yake, lapo wa e hlala kona ya i nesihonqa pakati esangweni, ela fana ngokudabula kwalo. uSolomona wa yenzela futi nendodakazi ka Faro,

umkake, indhlu e ya fana nalo lelisan-go.

9 Konke loku kwakiwa ngamatye a nenani, a ngangamatye abaziweko ngobukulu, a sabwa ngamasaba, pakati na ngapandhle, kwa suka pansi esisekelweni kwa za kwa ba pezulu, na ngapandhle kwa sendaweni enkulu.

10 Isisekelo sa si ngamatye a nenani, amatye amakulu, amatye a namakubiti a ishumi, namatye a namakubiti a isishiyagalombili.

11 Pezulu a be kona amatye a nenani, a ngangamatye abaziweyo, nemiti yesedare.

12 Isihonqa esikulu esizungezayo sa si nezindwendwe ezintatu zamatye abaziweyo, nodwendwe lwemityayo yesedare, njengendawo yendhlu ka Jehova, epakati kanye nesango lendhlu.

13 uSolomona wa tuma wa m biza uHiramu eTire.

14 Yena wa e indodana yomfelokazi otile wesizwe sika Naftali, uyise wa e umuntu wa seTire, owa e kanda itusi, wa e hlakanipile, wa e inyanga yetusi e kwazi ukukanda Konke okusetyenzwayo ngetusi. Weza kuyo inkosi uSolomona, wa sebenza wonke umsebenzi wake.

15 Wa kanda izinsika ezimbili zetusi, zombili ubude bazo ku ngamakubiti a ishumi nesishiyagalombili: udwendwe lwamakubiti a ishumi nambili lwa zi zungeza zombili.

16 Wenza izinhloko ezimbili zetusi elifutwayo, zokubekwa pezu kwezinsika; ubude behloko i inye kwa ku ngamakubiti a isihlanu, ubude behloko enye kwa ku ngamakubiti a isihlanu.

17 Amahluzo alukiweyo namaqele a setyenzwa ngamakubiti ezinhlokweni ezi pezu kwezinsika; inhloko i inye i ngamakubiti a isikombisa.

18 Wa zenza izinsika, nezindwendwe ezimbili pezu kwehluzo linye, ukubeka ezinhlokweni ezi pezulu namagranite, wenze njalo enhlokweni enye futi.

19 Izinhloko eza zi kona ezinsikeni za zi feketiswa ngombodiya esangweni, amakubiti a be mane.

20 Izinhloko ezinsikeni zimbili za zi namagranite pezulu, esiswini sazo eduze nchuzo: amagranite a be ngamakulu amabili ezindwendwe eza zungeza inhloko inye.

21 Wa misa izinsika esangweni letempeli; insika ya sokuncene wa yi misa, wa yi tu igama lokuti, uJakini; wa mi-

sa nensika ya sokhlo, wa yi ta igama lokuti uBoazi.

22 Ezinhlokweni zezinsika kwa feketiswa ngombodiya, njalo imisebenzi yezinsika ya pela.

23 Wenza ulwandhle olufutwayo, lu ngamakubiti a ishumi kwa suka ku loludini kwa za kwa ba ku loluya; lwa lu yindilinga, ubude ba bu amakubiti a isihlanu, udwendwe lwamakubiti a ngamashumi amatatu lwa lu zungeza emacaleni onke.

24 Udini lwa feketiswa ngemiqumbi, imiqumbi i ishumi kulo ikubiti li linye, kwa zungeza ulwandhle; imiqumbi ya futwa ngezindwendwe ezimbili ekufutweni kwayo.

25 Lwa hlala pezu kwezinkabi ezi ishumi nambili, ezintatu za bheka nga senyakato, ezintatu za bheka nga sentyonalanga, ezintatu za bheka nga seningizimu, ezintatu za bheka nga sempumalanga, ulwandhle lwa lu hlala pezu kwazo, zona za dunuselana.

26 Uhlonze lwalo lwa lu ngangesandhla somuntu, udini lwalo, lwa lu nje ngalo udini lwesitya, na nembali umbodiya, lwa lu nezincengezi zokugezela ezi zinkulungwane ezimbili.

27 Wa zenza izikondo ezi ishumi, ubude besikondo si sinye ba bu ngamakubiti amane, ububanzi baso ba bu ngamakubiti amane, ukusuka kwaso amakubiti amatatu.

28 Ukudabula kwezikondo kwa ku nje ukuti, za zi nezindini, izindini za zi pakati kwezinsiko.

29 Ku lezi zindini pakati kwezinsiko kwa ku kona amabubesi, nezinkabi, namakerubi: kuzo izinsiko kwa ku kona isikondo ngapezulu: pansi kwamabubesi na ngapansi kwezinkabi kwa ku kona amaqele a setyenzwayo ngokubandakanye.

30 Kwa ku kona namasondo amane etusi esikondweni sinye, amaasi etusi; amagumbi alo amane a be nazo izinti, ngapansi kwaso isitya sokuhlambela kwa ku kona izinti ezinamatisileyo, ecaleni lamaqele onke.

31 Umlomo waso pakati kwehloko nangapezulu kwa ku ikubiti: umlomo waso wa u indilinga njengesikondo ngokusetyenzwa, ikubiti li linye nenxenye, emlonyeni waso kwa ku kona okubaziweko, nezindini zazo za zi namacala amane, za zi nge izindilinga.

32 Amasondo amane a be ngapansi

kwezindini; amaasi amasondo a be hlangene nesikondo ukusuka kwesondo li linye kwa ku ikubiti li linye nenxenye.

33 Ukudabula kwamasondo kwa fana nesondo lenqola, anaasi awo, amabande awo, namafelange, nezipokwe, konke kwa ku futwa.

34 Kwa ku kona izinti ezine, kuwo amagumbi amane esikondweni sinye, izinti za zi puma ku lesosikondo uqobo lwaso.

35 Nga pezu kwesikondo kwa ku kona okuizindilinga, inxenye yekubiti ngobude: pezu kwesikondo izindini zaso nezinsiko zaso, kwa ku njalo futi.

36 Esitebeni sezinsiko, na sezindinini zazo, wa ku feketisa ngamakerubi, namabubesi, nemiti yesundu, njengokubaza kwazo zonke, namaqele azungezayo.

37 Kanjalo wa zenza izikondo ezi ishumi, za fana za ti du, ngokudabula kunye nangobukulu bunye.

38 Futi wa zenza izitya zokuhlambela ezi ishumi; isitya sokuhlambela si sinye si namabate a ishumi: isitya sokuhlambela sinye si ngamakubiti amane: kuzo lezozikondo ezi ishumi ezinye ngezinye sa si kona isitya sokuhlambela.

39 Wa beka izikondo ezi isihlanu ngasecaleni lokunene lendhlu, nezinhlanu ngasokohlo lendhlu: ulwandhle wa lu beka ngasecaleni lokunene lendhlu, ngasepumpalanga, nga kwaseningizimu.

40 uHiramu wa zenza izitya zokuhlambela, namafoholo, neziukamba. Kanjalo uHiramu, wa qeda imisebenzi yonke yendhlu kaJehova a be yenzela inkosi uSolomona.

41 Izinsika ezimbili, namagobongo amabili ezinhloko pezu kwazo lezizinsika ezimbili; amahluzo amabili ukubekela amagobongo amabili ezinhloko nga-pezu kwezinsika;

42 Amarimoni a ngamakulu amane emahluzweni amabili, izindwendwe ezimbili zamarimoni, zehluzo li linye, ukusibekela amagobongo amabili ezinhloko pezu kwezinsika;

43 Izikondo ezi ishumi, nezitya zokuhlambela ezi ishumi pezu kwezikondo;

44 Ulwandhle lu lunye, nezinkabi zi ishumi pansi kolwandhle;

45 Nezimbiza, namafoholo, nezinkamba, zonke lezizitya zendhlu ka Jehova uHiramu azenzelayo inkosi uSolomona, za zi itusi elikazimulayo.

46 Etafeni la seJoredani inkosi ya zi

futa, emhlabatini webumba pakati kweSukoti neZartani.

47 uSolomona wa yeka zonke izitya, ka zi linganisanga, ngokuba za zi ziningi kakulu, nesisindo setusi be si nga saziwa.

48 uSolomona wa zenza zonke izitya zendhlu kaJehova: ilati legolide, netebula legolide, lapo kwa bekwa izinkwa zokubhekwa ku lona.

49 Izinti zezibane zegolide elihle, zi isihlanu ecaleni lokunene, zi isihlanu ecaleni la sokohlo, ngapambili kuka debire, kanye nembali, namalampe, nodhlau lwegolide.

50 Namagobongo, nesizenze, nezinkamba nezinkezo, neziko, kwegolide elihle; neziguqulo ezi igolide zezicaba zendhlu ya pakati, indawo e yingwele, nezicaba zendhlu, itempeli.

51 Kanjalo kwa pela umsebenzi wonke inkosi uSolomona a wenzeleyo indhlu ka Jehova. uSolomona wa zi ngenisa izinto eza niswa uDavida uyise; isiliva, negolide, nezitya, wa zi beka zonke kuyo imfuyo yendhlu ka Jehova.

## ISAHLUKO 8.

**N**GA semva kwaloko uSolomona wa hlanganisa amalunga onke abaIsraeli, kanye namakunzana ezizwe, amakosi oyise babantwana baka Israeli, enkosini uSolomona eJerusema, ukuze ba kupule umpongolo wesivumelwano ka Jehova emuzini ka Davida, okutiwa iZioni.

2 Amaqoda onke aka Israeli a zihlanganiselwa enkosini uSolomona emhlanganweni wenyanga ka Etaimnu, ukuti inyanga yesikombisa.

3 Eza onke amalunga abaIsraeli, abapristi a u tata umpongolo.

4 Ba kupuka nompongolo ka Jehova, kanye netente lomhlangano, nezitya zonke ezi yingwele eza zi kona etenteni, abapristi nabaLevi ba kupuka nazo lezo.

5 Inkosi uSolomona, nomhlangano wabo bonke abaIsraeli a ba be hlangene kuye, ba be naye pambi kompongolo; ba nikela izimvu nezinkabi, ezi nge nakubalwa nokuqondwa ngobuningi bazo.

6 Abapristi ba wu ngenisa umpongolo wesivumelwano ka Jehova endaweni yawo, kudebire endhlini, endaweni e yingwele, ngapansi kwamapiko amakerubi.

7 Ngokuba amakerubi a olula amapiko awo amabili ngapezulu kwendawo

yompongolo, amakerubi a sita umpongolo nezindondolo zawo ngapezulu.

8 Ba kipa izindondolo, kwa ti izinhloko kezindodolo za bonakala endaweni e yingwele ngapambili kuka debire, be zi nga bonakali ngapandhle: zi kona lapo ku ze ku be namhlanje.

9 Kwa ku nge ko luto empongolweni kupela amatye amabili, a be a bekwa kona uMosi eHorebi, loku uJehova wa senza isivumelwano nabantwana baka Israeli, ekupumeni kwabo ezweni la sEgipite.

10 Kwa ti, abapristi se be pumile endaweni e yingwele ifu la gwalisa indhlu ka Jehova.

11 Abapristi ba be nge nako ukuma ba konze ngenxa yefu, ngokuba ukukazimula kuka Jehova kwa gwalisa indhlu ka Jehova.

12 uSolomona wa shumayela, wa ti uJehova u ya kuhlala ebunmyameni obunzima.

13 Impela ngi kwakele indhlu yokuhlala, indawo eqinileko yokuhlala kwako ku ze ku be pakade.

14 Inkosi ya penduka, ya busisa umhlangano wonke wabaIsraeli wema; umhlangano wonke wabaIsraeli wema;

15 Wa ti, Ma ka bongwe uJehova uTixo ka Israeli, o wa kuluma ngomlomo wake kuDavida ubaba, na ngesandhla sake u ku qinisile, e ti,

16 Hloku nga pumisa abantu bami aba-Israeli Egipite, a ngi ketanga umuzi ezizweni zonke zabaIsraeli ukwaka indhlu, ukuba igama lami li be kona, kodwa nga m keta uDavida a be pezu kwabantu bami abaIsraeli.

17 Kwa ku senhliziyweni ka Davida ubaba ukwakela igama lika Jehova uTixo ka Israeli indhlu.

18 uJehova wa ti kubaba uDavida, Njengokuba kwa ku senhliziyweni yako ukwakela igama lami indhlu, wenze kahle ngokuba kwa ku kona loko enhliziyweni yako.

19 Noko, indhlu leyo a i yi kwakiwa uwe, kodwa indodana yako e za kupuma okalweni lwako, yona i ya kwakela igama lami indhlu.

20 uJehova u se gwalisile izwi lake a li tyoyo, mina se ngi ngenile esikundhleni sika Davida ubaba, ngi hlale esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli, njengokutyo kuka Jehova, ngakele igama lika Jehova uTixo ka Israeli indhlu.

21 Ngile indawo yompongolo, la-

po ku kona isivumelwano sika Jehova, owa senza nobaba betu, ngesikati sokubapumisa kwake ezweni la sEgipite.

22 uSolomona wema pambi kwelati lika Jehova emehlweni omhlangano wonke wabaIsraeli, wa zolula izandhla zake nga sezulwini.

23 Wa ti, Jehova Tixo ka Israeli, ka muko uTixo o njengawe, ezulwini pezulu, na semhlabeni pansi, o geine isivumelwano nobubele nezineeku zako zona ezi hambayo pambi kwako ngenhliziyo yonke yazo.

24 Wena u geine neneeku yako uDavida ubaba loko owa ku tyoyo; futi loko owa ku tyoyo ngomlomo wako, u kwenzile ngesandhla sako, njengokuba ku njalo namhlanje.

25 Ngako kaloku, Jehova Tixo ka Israeli, ku geine enekwini yako uDavida ubaba loko owa ku tyoyo kuyena, ukuti, A ku yi kusweleka muntu ebusweni bami, a hlale esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli; uma abantwana bako ba geine indhlela yabo, ba hambile pambi kwami njengokuba wena u hambile pambi kwami.

26 Kaloku, Tixo ka Israeli, izwi lako ma li qiniseke, owa li tyoyo kuDavida ubaba ineeku yako.

27 Imbala uTixo u ya kuhlala emhlabeni na? Bheka, izulu nezulu lamazulu a li nako ukwanela, po, lendhlu engi yakileyo incane kangakanani?

28 Kepa ma u bheke umtandazo weneeku yako, nokunxusa kwayo, Jehova Tixo wami, u zwe ukukala nokukuleka, e ku kulekayo ineeku yako pambi kwako namhlanje.

29 Ukuba amehlo ako a bheke lendhlu ebusuku na semini, lendawo o wa ti ngayo, Igama lami li ya kuba kona: u ze u lalele ukukuleka o kuya kukulunywa ineeku yako ku lendawo.

30 Ma u zwe ukunxusa kweneeku yako, nokwabantu bako, abaIsraeli mzu kwana be kuleka ku lendawo; u zwe ezulwini ekaya lako, u su zwile, u tetelele.

31 Uma umuntu ofile e necala kuye owakelene naye, a fungiswe, isifungo si vela pambi kwelati lako ku lendhlu:

32 Ma u zwe ezulwini, wenze njalo, u tetelele nezineeku zako, u lahle icala lonayo, ukupindisele ukwenza kwake ekanda lake; u tetelele icala lake yena olungileyo, u m nike njengokulunga kwake.

33 Mzukwana abantu bako abaIsraeli bahluliwe izita zabo, ngokuba bonile kuwe, ba ze ba pindele kuwe, ba vumele igama lako, ba tandaze, ba kuleke kuwe ku lendhlu :

34 Ma u zwe ezulwini, u tetelele isono sabantu bako abaIsraeli, u ba buyisele ezweni o wa li nika okoko babo.

35 Mzukwana izulu li valiwe, imvula i nge ko, ngokuba bonile kuwe ; uma be kuleka nga ku lendawo, ba bongwe igama lako, ba guquke esouweni sabo, ngoba wena u ba jezisile ;

36 Ma u zwe ezulwini, u tetelele isono sezineeku zako, naso esabantu bako abaIsraeli, u ba fundise indhlela elungileyo, oku fanele ba hambe kuyo, u nise imvula ezweni lako, o wa li nika kubantu bako li be ifa labo.

37 Uma ku kona indhlala ezweni, uma ku kona nokufa, nokuputa, amabalana, izinkumbi, uma ku kona isihlava, uma izita zabo zi ba haqa ezweni eli buswa ibo ; ezinhlupweni zonke, na sezifweni zonke ;

38 Ukukuleka nokutandaza konke kwabantu bonke, abantu bonke bako abaIsraeli, abaziyo ku ngulowo ukuhlupa okusenhliziyweni yake, e zelula izandhla ku lendhlu :

39 Ma u zwe ezulwini ekaya lako, u tetelele, weuze, u pe kubantu bonke ku be ilowo njengokuhamba kwake, inhliziyoyake o yaziyo ; (ngokuba uwe wena wedwa, ozaziyo izinhliziyoy zabantwana bonke babantu.)

40 Ukuba ba kwesabe izinsuku zonke zokuhlala kwabo ezweni o wa li nikayo oyise babo.

41 Futi, naye umdingi, o nge siye omunye wabantu bako abaIsraeli, kodwa e puma ezweni elikude ngenxa yegama lako :

42 (Ngokuba ba ya ku zwa ngalo igama lako elikulu, na ngaso isandhla sako samandhla, na ngayo ingalo yako eyelulileko :) mzukwana eza e kuleka endhlini le ;

43 Ma u zwe ezulwini ekaya lako, wenze njengako konke lomdingi a ku celileyo kuwe ; ukuze bonke abantu emhlabeni ba lazi igama lako, ba kwesabe njengabantu bako abaIsraeli ; ukuba bazi ukuti lendhlu engi yakileyo i ya tiwa ngegama lako.

44 Uma nxa abantu bako be suka be ya kuhlasele eziteni zabo, lapo u ba tumakona, ba kuleke kuJehova, nga ku

lonuzi o wu ketileyo, na nga ku lendhlu engi yakeleyo igama lako :

45 Ma u zwe ezulwini ukukuleka kwabo nomtandazo wabo, u ba vune.

46 Uma nxa bone kuwe, (ngokuba ka muko o ngoniyoy,) u ba tukutelela, u ba nike eziteni zabo, zona zi ba telise ezweni lezita zabo, nokuba ku kude, nokuba ku seduze ;

47 Uma inhliziyoy i kumbule ezweni lapo ba teliswa, kona ba guquke, ba kuleke kuwe ezweni labo aba ba telisayo, be ti, Sonile, senzile kabi, senza ukona ;

48 Njaloke ba buyele kuwe ngayo yonke inhliziyoy yabo, na ngawo wonke umpefumlo wabo, ezweni lezita zabo bona aba ba telisayo, ba kuleke kuwe ngesezweni la kubo, ela piwa uwe koyise babo, umuzi oketwe uwe, nendhlu engi yakeleyo igama lako.

49 Ma u zwe ukukuleka kwabo nokutandaza kwabo kona ezulwini ekaya lako, u ba vune.

50 U ba tetelele abantu bako abonileyo kuwe, nezono zabo zonke abonile ngazo kuwe, u ba pate ngomusa kubo aba ba telisayo, ukuba ba ba pate ngomusa.

51 Ngokuba be ngabantu bako, nefa lako, o wa ba kipa ezweni la sEgipite, na ngapakati kweziko lensimbi :

52 Ukuba amehlo ako a bheke ukukuleka kwenceku yako, nokukuleka kwabantu bako abaIsraeli, ukubezwa kuko konke aba ku celayo kuwe.

53 Ngokuba wa ba hlukanisa kubo bonke abantu bomhlaba, ukuba ba be ifa lako, njengokuba wa kuluma ngesandhla senceku yako uMosi, nuzukwana u ba kipa okoko betu ezweni la sEgipite, Jehova Tixo wetu.

54 Kwa ti, uSolomona e se qedile ukukuleka kuJehova konke lokukuleka nokunxusa, wa suka pamibi kwelati lika Jehova, lapo e be guqa ngamadolo ake, izandhla zi pakanyiswe nga sezulwini.

55 Wema wa wu busisa umhlangano wonke wabaIsraeli ngezwi elikulu, wa ti :

56 Ma ka dunyiswe uJehova, o nikelileyo ukupumula kubantu bako abaIsraeli, njengokutembisa kwake kubona : ka li citwanga nazwi linye lokutembisa kwake okulungileyo, a ku tembisa ngesandhla sika Mosi ineku yake.

57 uJehova uTixo wetu ma ka be nati, njengokuba wa e nabo okoko betu ; ma ka nga si shiyi, ma ka nga kohlwa itina.

58 Ukuze a donse izinhliziyoy zetu zi

bheke kuye, si hambe ngezindhlela zonke zake, si geine izimemezelo zake, nemiyalo yake, nezimiso zake a ku yala okoko betu.

59 Lamazwi engi wa kulekayo pambi kuka Jehova, ma wa hlale kuJehova uTixo wetu emini na sebusuku, ukuba a vune inceku yake, a vune nabantu bake abaIsraeli ngezikati zonke, njengoku-swela kwabo:

60 Ukuze bonke abantu emhlabeni bazi ukuba uJehova u nguTixo, ka mu-ko omunye.

61 Inhliziyo yenu ma i hlale i nge nalcala pambi kuka Jehova uTixo wetu, ukuhamba njengemiyalo yake, nokugcina izimemezelo zake, njenga namhlanje.

62 Inkosi, kanye nabaIsraeli bonke, ba nikelwa umnikelo pambi kuka Jehova.

63 uSolomona wa nikela umnikelo wokutula, a ku nikelayo kuJehova, izinkabi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili, kunjalo inkosi nabantwana bonke baka Israeli ba vula indhlu ka Jehova.

64 Nga lolusuka inkosi ya senza si be ngewele isihonqa sapakati, esi ngapambini kwendhlu ka Jehova, ngokubalapo wa nikela iminikelo yokutya, neminikelo yokudhla, namafuta eminikelo yokutula; ngokuba ilati letusi e la li kona pambi kuka Jehova la li lincane la li nge nako ukulingana neminikelo yokutya, neminikelo yokudhla namafuta eminikelo yokutula.

65 Nga lesosikati uSolomona wa mema umhlangano kanye naba Israeli bonke, umhlangano omkulu, kwa suka nga sekungeneni eHamati ku ze ku be semfuleni wa seEgipite, pambi kuka Jehova uTixo wetu, izinsuku ezi isikombisa nezinsuku ezi isikombisa, ukuti izinsuku ezi ishumi nane.

66 Ngosuku lwesishiyagalombili wa ba mukisa abantu; ba yi babaza inkosi, ba ya ematenteni abo, be tokoza be jabula ezinhliziyweni zabo ngenxa yobubele bonke uJehova a be pete ngabo uDavida inceku yake, nabo abaIsraeli abantu bake.

#### ISAHLUKO 9.

**K**WA ti, uSolomona lapo e se qedile ukwaka indhlu ka Jehova, kanye nendhlu yenkosi, nako konke uSolomona a be fisa ukukwenza,

2 uJehova wa bonakala kuSolomona

okwesibili, njengokuba a be bonakele kuye eGibeoni.

3 uJehova wa ti kuye, Ngi zwile umtantazo wako nokukuleka kwako pambi kwami; ngenzile i be ngewele lendhlu, o yakileyo, ukubeka kona igama lami ku ze ku be pakade; namehlo ami nenhliziyweni yami i ya kuba kona njalo.

4 Uma u hamba pambi kwami, njengokuhamba kuka Davida uyihlo, ngenhliziyo elungileko, na ngokufanele, wenze konke engi ku yala ngako u geine imiyalo yami; nezimiso zami.

5 Ngi ya kuqinisa isihlalo sobukosi sombuso wako kwa Israeli ku ze ku be pakade, njengokutembisa kwami kuDavida uyihlo, nga ti, A ku yi kusweleka muntu esihlalweni sobukosi kwa Israeli.

6 Kepa uma ni yeka ukungilandela, nina nabantwana benu, ni nga geini izimemezelo zami nemiyalo yami engi yi bekileyo pambi kwenu, kepa ni hambe ni dumise izitixozinye, ni zi konze.

7 Ngi ya kucita aba Israeli ezweni engi ba nikile lona; nendhlu le engi yi hlukanisele igama lami, ngi ya kuyilahla nga selusweni bami; abaIsraeli ba ya kuba into yokuhlekwa nezwi lokuqanga aba sezizweni zonke.

8 Ku lendhlu, epakamileyo kangaka, bonke abadhulayo kuyo ba ya kumangala, ba hleke usulu, ba ya kuti, uJehova wenzelani okunjalo ku lelizwe, na ku lendhlu na?

9 Ku ya kutiwa, Ngokuba ba m shiya uJehova uTixo wabo, yena owa pumisa oyise babo ezweni la seEgipite, ba bambelele kuzo izitixozinye, ba zi dumisile, ba zi konzile: ngako uJehova u zisile pezu kwabo bonke lobububi.

10 Kwa ti ekupeleni kweminyaka e ngamashumi amabili, lapo uSolomona e be se zakile izindhlu ezimbili, ukuti indhlu ka Jehova, futi nendhlu yenkosi,

11 (uHiramu inkosi ya seTire, wa be em sizile uSolomona ngemiti yesedare na ngemiti yefire, na ngegolide, njengokufanda konke kwake,) inkosi uSolomona ya mu pa uHiramu imizi e ngamashumi amabili ezweni la seGalile.

12 uHiramu wa puma eTire ukuyibona lemizi a yi piweyo uSolomona; ya inga ni tokozisi.

13 Wa ti, Imizi mini le o ngi niki-leyo, mfo wetu? Wa yi qumba ngoku-



ti izwe la seKabuli ku ze ku be namhlanje.

14 uHiramu wa tuma enkosini amatalenta egolide a ikulu namashumi amabili.

15 Kwa ku ngaloko ukuba uSolomona wenza izibalo kubantu; ngokuba e be za kwaka indhlu ka Jehova, nendhlu yake, kanye neMilo, notango lwa seJerusalem, neHazo, neMegido, neGazeri.

16 uFaro inkosi ya seEgipite u be kupukile, wa li tata iGazeri, wa li tyisa ngonililo, wa bulala amaKanani ahleziyo ku lomuzi, wa li nika umka Solomona, indodakazi yake.

17 uSolomona waka iGazeri, neBethoron ngasenzansi;

18 NeBalati, neTadmo nga sehlane, ezweni,

19 Nemizi yonke yokubekela a nayo uSolomona, nemizi yezinqola zake, nemizi yamashashi okukwela, nako konke uSolomona a be tanda ukukwaka kona eJerusalem, na seLebanoni, na sezweni lonke ela buswa uye.

20 Abantu bonke abaseleyo kuwo amaAmori, nabaHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, laba aba nge sibo abantwana baka Israeli,

21 Abantwana ba laba abaseleyo ku lelozwe, abantwana bakaIsraeli ba be nge namandhla ukubaqeda ba ti nya, kulaba uSolomona wenza izibalo zokusebenza ku ze ku be namhlanje.

22 Kodwa kubantwana baka Israeli za zi nge ko izibalo, bona ba be amabuto ake, nezinceku zake, namakunzana ake, nezinduna zake, nababusi bezinqola zake, nabakweli bamashashi ake.

23 Laba ba be aba izikulu zezinduna eza miselwa imisebenzi ka Solomona, ba ngamakulu a isihlanu namashumi amahlanu abalindayo abantu aba izisebenzi.

24 Indodakazi ka Solomona ya kupuka emuzini ka Davida yeza endhlini yayo uSolomona e be yakele yona: nga lesosikati wa laka iMilo.

25 Katatu ngomnyaka uSolomona wa nikela iminikelo yokutya neminikelo yokutula elatini, e be lakele uJehova, wa tyisa impepo elatini pambi kuka Jehova. Kanjalo wa yi qeda indhlu.

26 uSolomona inkosi wenza imikumbi eEziongaba, eli nga seEloti, osebeni lolwandhle olubomvu, ezweni la seEdomi.

27 uHiramu wa tuma izinceku zake emikunjini leyo, amadoda emikumbi, a

be lwaziyo ulwandhle, kanye nezinceku zika Solomona.

28 Beza eOfire, ba leta ngakona igolide, amatalenta a ngamakulu amane namashumi amabili, ba li leta kuyo inkosi uSolomona.

### ISAHLUKO 10.

**I** NKOSIKAZI ya seSheba lapo i si zwile udumo luka Solomona ngegama lika Jehova, yeza ukumlinga ngemibuzo elukuni.

2 Yeza eJerusalema nehele elikulu kakulu, amakamelo e twele amaka, negolide eliningi, namatye a nenani; ekufikeni kwayo kuSolomona, ya kuluma naye ngako konke okwa ku senhliziyweni yayo.

3 uSolomona wa pendula imibuzo yonke yake; kwa ku ngeko luto olufihliweyo enkosini, e nga yi casiselanga yona.

4 Inkosikazi ya seSheba i si bonile ukuhlakanipa konke kuka Solomona, nendhlu a be yakile.

5 Nokudhla esitebeni sake, nokuhlala kwezinceku zake, nokuma kwabakonzi bake, nokugqoka kwabo, nabapata izitya zake, nokukupuka kwake ukuya endhlini ka Jehova; kwa pela amandhla ayo.

6 Ya ti enkosini, Za zi qinisile lezozindaba enga zi zwa ezweni lami, ngamazwi ako na ngokuhlakanipa kwako.

7 Kepa, nga ngi nga kolwa ilamazwi, nga ze nga fika, ngi ku bonile ngamehlo ami: bheka, nga ngi nga tyelwa inxenye yako; ukuhlakanipa kwako, nobucebi bako ku ya dhlula udumo enga lu zwayo.

8 Ba busisiwe abantu bako! zi busisiwe nezinceku zako lezi, ezi mi njalo pambi kwako, ezi zwa ukuhlakanipa kwako!

9 Ma ka bongwe uJehova uTixo wako, owa tokoza ngawe, ukuba a ku mise esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli; ngokuba uJehova wa ba tanda abaIsraeli na pakade, ngako wa ku misa u be inkosi, nokuteta amacala, nokwenza ukulunga.

10 Ya yi nika inkosi amatalanta egolide a ikulu namashumi amabili, nobuningi bamaka, namatye a nenani: A ku za nge ku vela futi ubuningi bamaka njengawo lamaka uSolomona a piwa wona inkosikazi ya seSheba.

11 Futi nemikumbi ka Hiram, eya tuta igolide eli vela eOfire, ya tuta nga-

kona futi imiti yealmuge eminingi, namatye a nenani.

12 Ngemiti yealmuge inkosi yenzela indhlu ka Jehovan endhlu yenkosi izinsika, nezingubu, nezinkoka zabahlabelelawa : a i zanga i fike imiti yealmuge e njena, ka yi bonwanga ku ze ku be namhlanje.

13 Inkosi uSolomona wa yi nika inkosikazi ya seSheba konke e ku taudayo, konke e ku celayo, ngapandhle kwako konke e ku piwayo nguSolomona ngefufuyo yake yobukosi, ya buya ya pindlela ezweni la kubo, yona kanye nezinceku zayo.

14 Isisindo segolide e la fika kuSolomona ngomnyaka munye kwa ku amatalanta egolide a ngamakulu a isitupa, namashumi a isitupa nesitupa,

15 Ngapandhle kwa lelo a li tatileyo kubatengi, na kubatengi bamaka, namakosi onke a seArabia, nababusi bezwe.

16 Inkosi uSolomona wenza izihlangu za ngamakulu amabili zegolide elikandiweyo ; amashekeli a ngamakulu a isitupa kuso isihlangu si sinye.

17 Wenza amahan egolide elikandiweyo a ngamakulu amatatu, izilinganiso ezintatu zegolide kulo ihau li linye : inkosi ya wa beka endhlini ya sehlane eLebanoni.

18 Futi, inkosi ya senza isihlalo sobukosi ngezimpondo zendhlovu, ya si nameka ngegolide elihle kakulu.

19 Isihlalo lesi sa si nezikwelo ezisitupa ngapezulu sa si indilinga ngasemva ; ya i kona imikono emacaleni amabili esihlalweni, amabubesi amabili ema nga secaleni lemikono.

20 A miswa amabubesi a ishumi nambili, ngalapa na ngalapaya kwezikwelo ezisitupa ; kwa ku ngeko okunjalo emibusweni yonke yomhlaba.

21 Izitya zonke zokupuzwa zayo inkosi uSolomona za zi igolide, nezitya zonke zendhlu ya sehlane eLebanoni za zi igolide elihle, za zi ngeko e zesiliva ; kwa tiwa isiliva li ize nje emihleni ka Solomona.

22 Ngokuba inkosi ya i nemikumbi ya seTarshishe elwandhle nayo imikumbi ka Hiram ; kanye ngeminyaka emitatu yeza imikumbi ya seTarshishe, ya tuta igolide, nesiliva, nezimpondo zendhlovu, nezimifene, nezinyoni zezulu.

23 Kanjalo inkosi uSolomona wa wa dhula amakosi onke omhlaba ngobucebi na ngokuhlakanipa.

24 Abantu ezweni lonke beza kuSolomona, ukuzwa ukwazi kwake, uTixo a ku bekileyo enhliziyweni yake.

25 Ba leta ku i lowo isipo sake, izitya zesiliva, nezitya zegolide, nezingubo, nezikali, namaka, namahashi, nezinjomane, iminyaka ngeminyaka.

26 uSolomona wa buta izinqola, namahashi okukwelwa ; wa e nezingqola ezi inkulungwane namakulu amane, nabakweli bamahashi a izinkulungwane ezi ishumi nambili, wa ba beka emizini yezinqola, na senkosini eJerusalem.

27 Inkosi yenza isiliva la seJerusalemali be njengamatye nje, namasedare nje ngemiti yesikamore emfundeni, ngobuningi.

28 uSolomona wa e namahashi a vela Egipite, nezintambo zelineni abatengi benkosi ba zi tata izintambo zelineni ngemali e tize.

29 Kwa kupuka kwa puma inqola Egipite yamashekeli esiliva a ngamakulu a isitupa, nehashi lamashekeli a ikulu namashumi amahlanu, kwa ku njalo a leta onke amakosi amaHiti, namakosi amaSiria, ngesandhla sawo.

#### ISIAHLUKO 11.

**K**EPA uSolomona wa ba tanda abafazi abaningi bezinye izizwe, ngapandhle kwendodakazi ka Faro, abafazi aba ngamaMoabikazi, namaAmonikazi, namaEdomikazi, namaZidoniakazi, namaHitikazi ;

2 A bezizwe uJehova a be tyilo ngazo kubantwana baka Israeli, ukuti, Musani ukungena kuzona, futi nazo ma zi nga ngeni kinina : ngokuba impela zi ya kupambukisa izinhliziyu zenu zi landele izitixo zazo : uSolomona wa ba qoma laba bafazi.

3 Wa e nabafazi aba ngamakulu a isikombisa, amakosikazi, nezincinzakazi ezi ngamakulu amatatu : abafazi bake bedukisa inhliziyu yake.

4 Kwa ti, lapo wa e se gugile uSolomona, abafazi bake bedukisa inhliziyu yake i landele izitixo ezinye : inhliziyu yake ya i nga lungile kuJehova uTixo wake, njengenhliziyu ka yise uDavida.

5 Ngokuba uSolomona wa m konza uAshterote isitixo sabaZidonia, noMilkom ububi bamaAmoni.

6 uSolomona wenza okubi emehlweni ka Jehova, ka m landelanga uJehova nempela, njengoyise uDavida.

7 uSolomona wa yaka indawo epakamileyo yokukonza uKemosha, ububi bamaMoabi, entabeni e ngapambi kweJerusalema, noMoloko, ububi babantwana baka Amoni.

8 Futi wenzela okunjalo abafazi bake bezizwe ezinye, bona ba tyisa impepo ba nikela kuzo izitixo zabo.

9 uJehova wa e tukutelela uSolomona, ngokuba inhliziyoyake ya m shiya uJehova uTixo ka Israeli, o be e bonakele kuya kabili,

10 O be e m yalile nga leyonto, ukuba a nga dumisi izitixo ezinye: kepa ka geinanga loko a ku yalelayo uJehova.

11 Ngako uJehova wa ti kuSolomona, ngokuba wenzile leyonto wena, a ku geinanga isivumelwano sami nemiyalo yami e nga ku yala ngayo, iqiniso ngi ya kukwapuca umbuso wako, ngi ya kuwunika encekwini yako.

12 Kodwa, a ngi yi kukwenza loko emihleni yako, ngenxa ka Davida uyihlo: kodwa ngi ya kuwapuca esandhleni sendodana yako.

13 Kodwa, a ngi yi kwapuca umbuso wonke; ngi ya kunika isizwe si be sinye kuyo indodana yako, ngenxa ka Davida ineku yami, na ngenxa yeJerusalema engi li ketileyo.

14 uJehova wa m vusela uSolomona isita, uHadade umEdomi: yena wa e inzalo yenkosi ya seEdomi.

15 Ngokuba kwa ti, ngesikati sokuhlala kuka Davida eEdomi, uJoabi induna yamabuto wa e kupukele ukumbela ababuleweyo, be bulewe aba isilisa bonke ba seEdomi;

16 (Izinyanga ezi isitupa uJoabi wa e blezi kona kanye naba Israeli, wa ze wa ba qeda bonke aba isilisa eEdomi.)

17 Nga lesosikati wa baleka uHadade, kanye namaEdomi atize, izineku zika yise, ba ya Egipte; uHadade wa e se umntwana.

18 Ba suka eMidiani, beza eParani: ba fumana eParani amadoda, beza nawo Egipte, enkosini ya sEgipte uFaro; yena wa m nika indhlu, wa mondhla, wa m nika nezwe.

19 uHadade wa zuza inhlanhla enkulu emehlweni ka Faro, ngako wa m nika umlamu wake a be umkake, udade wabo ka Tapenesa inkosikazi yake.

20 Udade wabo ka Tapenesa wa m zalela uGubate indodana yake, wa lunyulwa uTapenesa endhlini ka Faro, uGe-

nubate wa e sendhlini ka Faro kanye namadodana ka Faro.

21 uHadade e se zwile kona Egipte ukuba uDavida u be se lele nokoko bake, ukuba uJoabi induna yamabuto wa e se file, uHadade wa ti kuFaro, Ngi yeke ngi hambe, ngi ye ezweni la kiti,

22 uFaro wa ti kuye, Konje u bu swele ntoni na lapa, ukuze, u tanda ukuya ezweni la kini? Wa pendula, A ngi swelanga luto; noko, ngi yeke ngi hambe.

23 uTixo wa m vusela esinye isita futi, uRezina indodana ka Eliada, owa balekela inkosi yake uHadadeza inkosi ya seZoba:

24 Wa butela abantu kuye, wa e induna yempi, uDavida wa ba bulala aba seZoba; ba ya eDamaseku, ba hlala kona, ba busa eDamaseku.

25 Wa e isita sabaIsraeli emihleni yonke ka Solomona, ngapandhle kokubi okwenziwa nguHadade: wa zonda abaIsraeli, wa busa eSiria.

26 uJeroboamu indodana ka Nebati, umEfrata wa seZereda, ineku ka Solomona, igama lika niua lali nguZerna, umfelokazi, yena naye wa m vukela uSolomona.

27 Kwenziwa ngaloko ukuba wa yi vukela inkosi: kokuti uSolomona waka iMilo, wa lungisa izikalazomuzi ka Davida uyise.

28 Lendoda uJeroboamu wa e indoda eya qunga isibindi: uSolomona e se bonile ukuba leyonsizwa ya i kutele kakulu, wa yi misa i linde zonke izinto endhlini ka Josefa.

29 Kwa ti nga lesosikati uma uJeroboamu wa e se pumile eJerusalema, unprofeti uAhija umShilo wa m fumana endheleni; wa zambatisa ingubo entya: laba bobabili ba be bodwa endhle.

30 uAhija wa bamba lengubo entya e be yembete, wa yi hxebula ezizibeni ezi ishumi nambili.

31 Wa ti kuJeroboamu, Wena ma u tate iziziba ezi ishumi: ngokuba uti uJehova, uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kwapuca umbuso esandhleni sika Solomona, ngi nike izizwe ezi ishumi kuwena.

32 (Kodwa yena u ya kusala nesizwe si be sinye ngenxa ka Davida ineku yami, na ngenxa yeJerusalema, umuzi engi wu ketileyo ezizweni zonke zabaIsraeli:)

33 Ngokuba zi ngi shiyile, za m dumisa uAsheterote isitixo samaZidonia, no-

Kemosha isitixo samaMoabi, uMilkom a isitixo sabantwana baka Amoni, a hambanga ezindhleleni zami, enzanga loko okufaneleyo emehlweni ami, ukugcina imiyalo yami nezimiso zami, nje ngoyise uDavida.

34 Kodwa, a ngi yi kukipa umbuso wonke esandhlени sake; ngi ya kumenza a be ikonzana emihleni yonke yokuhlala kwake ngenxa ka Davida inceku yami, e nga m ketayo, ngokuba wa gcina izimemezelo zami nemimiso yami:

35 Kodwa ngi ya kukipa umbuso esandhlени sendodana yake, ngi ya kuwunika wena, ukuti izizwe ezi ishumi.

36 Endodaneni yake ngi ya kunika isizwe si be sinye, ukuze uDavida inceku yami a be nokukanya njalo pambi kwami eJerusalema, umuzi engi wu ketileyo ukubeka kona igama lami.

37 Ngi ya kukutata, u za kubusa njengokutanda konke kwenhliziyi yako, u za kuba inkosi yabaIsraeli.

38 Ku za kuti, una u lalele konke engi ku yalayo, kona u ya kuhamba ezindhleleni zami, wenze loko okufaneleyo emehlweni ami, u gcine izimiso zami nezimemezelo zami, njengokwenza kukaDavida inceku yami; ngi ya kuba nawe, ngi kwakele indhlu eqinileyo, njengokuba ngamakela uDavida, ngi ku nike abaIsraeli.

39 Ngenxa yaloko ngi ya kujezisa inzalo ka Davida, kodwa a ku yi kuba ngunapakade.

40 Ngako uSolomona wa funa ukumbulala uJeroboamu; uJeroboamu wesuka, wa baleka wa ya Egipte, kuShishaki inkosi ya sEgipte, wa hlala Egipte kwa za kwa ba sekufeni kukaSolomona.

41 Imisebenzi eminye ka Solomona, nokwenza konke kwake, nokuhlakanipa kwake, a ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla ka Solomona?

42 Isikati sokubusa kuka Solomona abaIsraeli eJerusalema sa si iminyaka engamashumi amane.

43 uSolomona wa lala nokoko bake, wa mbelwa emuzini ka Davida uyise; uReoboamu indodana yake wa busa esikhundhlени sake.

#### ISAHLUKO 12.

UREOBOAMU wa ya eShekemu: ugo kuba abaIsraeli bonke ba be zile eShekemu ukumnisa a be inkosi.

2 Kwa ti, uJeroboamu indodana ka Nebati, e se sEgipte, wezwa loko, (ngokuba wa e balekela ubuso buka Solomona inkosi, uJeroboamu wa e hlezi Egipte;)

3 Ba tuma ba m biza, uJeroboamu kanye nebandhla lonke labaIsraeli beza, ba kuluma kuReoboamu, be ti,

4 Uyihlo wa lenza ijokwe letu la sinda pezu kwetu: kaloku wena nia wenze umsebenzi ka yihlo onzima, nejokwe lake elisindayo a si bopileyo ngalo, li be lula, kona tina si ya kukukonza.

5 Wa ti kubona, Sukani ni hambe izinsuku zi be utatu, ni buye ni buyele kimi. Abantu besuka.

6 Inkosi uReoboamu wa kuluma nawo amadoda amadala a be mi pambi kuka yise uSolomona e se kona, wa ti, Nina ni ti ku fanele ngi pendule ngi tini ku lababantu na?

7 Ba pendula kuye, be ti, Uma wena u ya kuba inceku ya lababantu namhla, u ba size, u ba pendule, u kulume amazwi amahle, bona ba ya kukukonza njalo.

8 Kodwa wa lahla amazwi amadoda amadala lawa, a be wa kuluma, wa buza ezinsizweni ezi intanga yake, ezi miyo pambi kwake:

9 Wa ti kuzona, Ni ti ku fanele ngi pendule ngi tini kulababantu, aba kulumileyo kimi, be ti, Ma wenze li be lula ijokwe uyihlo a si bopileyo ngalo?

10 Izinsizwa, intanga yake za pendula kuye, za ti, Ku fanele u pendule ku lababantu abakulumileyo be ti, uyihlo wenu li be nzima ijokwe letu, wena ma u lenze li be lula kitina; yityo kubona, Ueikicane wami mkulu ku nalo ukalo luka baba.

11 Na njengokuba ubaba wa ni twalisa ijokwe elisindayo, mina ngi ya kwandisa lelojokwe lenu: ubaba wa ni tyaya ngeziswebu, kodwa mina ngi ya kunityaya ngofezela.

12 Njalo uJeroboamu nabantu bonke beza kuReoboamu ngosuku lwesitatu, njengokutyo kwenkosi, ya ti, Ma ni buye ni ze kimi ngosuku lwesitatu.

13 Inkosi ya pendula kubantu ngolaka, ya lahla amazwi abadala aba be kuluma wona;

14 Ya ba pendula njengawo amazwi ezinsizwa, ya ti, Ubaba wa lenza ijokwe lenu li sinde, mina ngi ya kulandisa ijokwe lenu: ubaba wa ni tyaya ngeziswebu, mina ngi ya kunityaya ngofezela.

15 Inkosi a yi lalaelanga kubantu, ngokuba kwa vela kuJehova loko, ukuze ku ze ukutyo kwake, omkwa kulunywa uJehova ngoAhija umShilo ka Jeroboamu indodana ka Nebati.

16 Njaloke aba Israeli bonke se be bonile ukuba inkosi a yi ba lalaelanga, abantu ba pendula enkosini, ba ti, Si nesa-belo sini kuDavida? tina futi a si nalo nefa endodaneni ka Jese: hambani ni ye ematenteni enu, nina baIsraeli: Linda indhlu yako, Davida. Njalo aba-Israeli besuka ba ya ematenteni abo.

17 Kodwa abantwana baka Israeli abakileyo emizini ya kwa Juda, uReoboamu wa busa bona.

18 Inkosi uReoboamu wa m tuma uAdoramu, owa miselwa imali etelwayo; aba Israeli bonke ba m kauda ngamatye, wa za wa fa. Ngako inkosi uReoboamu wa tyetya wa kwela enqoleni yake, wa baleka wa ya eJerusalema.

19 Kanjalo abaIsraeli ba hlubukile kuyo indhlu ka Davida ku ze ku be namhlanje.

20 Kwa ti abaIsraeli bonke se be zwile ukuba uJeroboamu wa e se buyile, ba tuma ba m biza emhlanganisweni wonke, ba m misa a be inkosi yabaIsraeli bonke; kwa ku nge ko muntu owa kona indhlu ka Davida, isizwe sika Juda kupela.

21 uReoboamu e se fikile eJerusalema, wa hlanganisa indhlu yonke ka Juda, kanye naso isizwe sika Benjaminini, izinkulungwane ezi ikulu namashumi a shiyagalombili amadoda a ketiweyo, a ngamaqawe, ukulwa nabendhlu ka Israeli, ukubuyisela umbuso kuReoboamu indodana ka Solomona.

22 Kodwa izwi lika Tixo leza ku She-maia umuntu ka Tixo, lokuti,

23 Yityo kuReoboamu indodana ka-Solomona, inkosi yabaJuda, na kuyo indhlu yonke ka Juda neka Benjaminini, na kuyo inzalo yabantu, ngokuti,

24 U ti uJehova, A ni yi ku kupuka, ni lwe nabafu wenu abantwana baka Israeli; pindelani nonke ni ye ezindhlini zenu: ngokuba leyonto yenziwa imina, ngako ba li lalela izwi likaJehova, ba buya ba goduka, njengokutyo kuka Jehova.

25 Nga lesosikati uJereboamu waka eShekemi entabeni ya kwa Efraimi, wa hlala kona; wa suka kona, waka iPe-nueli.

26 uJeroboamu wa ti enhliziyweni ya-

ke, Manje umbuso u ya kupindela kuyo indhlu ka Davida.

27 Uma lababantu ba kupuka ukunikela endhlini ka Jehova eJerusalema, izinhliziyweni za lababantu zi ya kubuya zi taude inkosi yabo, uReoboamu inkosi yabaJuda, ba ya kungibulala mina, ba buyele kuReoboamu inkosi yaba Juda.

28 Ngaloko inkosi ya hlakanipa, yenza amatole amabili egolide, ya ti kubo, Ka ku sizi luto ukuba ni kupuke ni ye eJerusalema; bhokani nazi izitixo zenu, nina baIsraeli, eza ni pumisa ezweni la sEgipite.

29 Elinye ya li beka eBeteli, elinye ya li beka eDani.

30 Leyonto ya i isono: ugokuba abantu ba ya ukudumisa elinye, ela li se-Dani.

31 Wa zaka izindhlu ezindaweni ezipakamileyo, wa benza abapristi kubafokazana babantu, aba nge siwo amadodana ka Levi.

32 uJeroboamu wa mema umhlangano ngenyanga yesishiyagalombili, ngosuku lweshumi nanhlanu lwenyanga, nje-ngomhlangano wa kwa Juda, wa nikela elatini. Futi wenza njalo eBeteli, wa nikela kuwo amatole a be wenzile: wa misa eBeteli abapristi bezindawo ezipakamileyo a be zenzile.

33 Njalo wa nikela elatini a be lakile eBeteli ngosuku lweshumi neshlanu lwenyanga e isishiyagalombili, inyanga e yi ketileyo inhliziyweni yake nje; wa mema umhlangano kubantwana baka Israeli: wa nikela elatini, wa tyisa impopo.

### ISAHLUKO 13.

**K**WA ti, kwa vela kwa Juda umuntu ka Tixo ngezwi lika Jehova, weza eBeteli: uJeroboamu wa e mi elatini e tyisa impopo kona.

2 Wa memeza elatini ngezwi lika Jehova, wa ti, We lati, lati! u ti uJehova; Bheka, ku za ku zalwa kuyo indhlu ka Davida umtwana, uJosia igama lake: pezu kwako u za kunikela abapristi bezindawo ezipakamileyo abatyisayo impopo pezu kwako, namatambo abantu u za kuwatyisa pezu kwako.

3 Wa ba nika isiboniso nga lobusuku, wa ti, Nasi isiboniso ukuti, u kulumile uJehova; Bheka, ilati li ya kubidhlika, nomlota pezu kwalo u za kucitaka.

4 Kwa ti inkosi uJeroboamu e se zwile ukutyo komuntu ka Tixo, a be kala nga-

ko elatini la seBeteli, wa solula isandhla sake nga kulo ilati, wa ti, M bambeni. Isandhla sake a solulayo kuye, sa shwabana, wa e nge namandhla ukusibuyisela kuye.

5 Nelati la bidhlika, nomlota welati wa citeka elatini, njengesiboniso esa nika ngumuntu ka Tixo ngezwi lika Jehova.

6 Inkosi ya pendula kumuntu ka Tixo, ya ti, Ma u nxuse ebusweni buka Jehova uTixo wako, u ngi kulekele, ukuba isandhla sami si sinde. Umuntu ka Tixo wa nxusa uJehova, isandhla senkosi sa sinda, sa buya sa ba njengakuqala.

7 Inkosi ya ti kumuntu ka Tixo, A ke u goduke nami, u pumule, ngi ya kukukokela.

8 Wa ti umuntu ka Tixo enkosini, Nokuba u bu ngi nikile inxenyeyendhlu yako, a ngi yi kungena nawe kona, futi a ngi yi kudhla ukudhla ngi puze nama-nzi ku lendawo:

9 Ngokuba nga yalwa njalo ngezwi lika Jehova, ukuti, U nga dhli ukudhla, u nga puzi namanzi, u nga buyi nga lendhlela o ze ngayo.

10 Njaloke wa ya ngenye indhlela, ka pindanga ngendhlela e be zile ngayo eBeteli.

11 Kwa hlala eBeteli umprofeti omdala; amadodana ake eza a m tyela imisebenzi yonke eyenziwa umuntu ka Tixo ukuba nga lolusuku eBeteli, amazwi a be wa kulumile enkosini, wona nawo a wa lande kuyise.

12 Uyise wa ti kubo, Wa ya nga yipi indhlela na? ngokuba amadodana ake a be bonile indhlela umuntu ka Tixo a hamba ngayo e vela kwa Juda.

13 Wa ti kumadodana ake, Bopani imbongolo. Ba yi bopela imbongolo: wa yi kwela.

14 Wa m landela umuntu ka Tixo, wa m fumana e hlezi ngapansi komkoba: wa ti kuye, Wena u nguye lomuntu ka Tixo owa vela kwa Juda na? Wa ti, ngi nguye mina.

15 Wa ti kuye, Woza u goduke nami, u dhle ukudhla.

16 Wa ti, A ngi nako ukubuya nawe, a ngi nako ukungena endhlini yako nawe; futi a ngi yi kudhla ukudhla ngi puze amanzi kaanye nawe ku lendawo:

17 Ngokuba kwa tyiwo kimi ngezwi lika Jehova, ukuti, U nga dhli ukudhla, u nga puzi namanzi kona, u nga pindeli nga lendhlela o ze ngayo.

18 Wa ti kuye, Mina ngi ngumprofeti njengawe; ingelosi ya kuluma nami ngalo izwi lika Jehova, ya ti, M buyise e ze endhlini yako, ukuze a dhle isinkwa a puze namanzi. Kodwa wa m qambela amanga.

19 Ngako wa buya naye, wa dhla ukudhla endhlini yake wa puza amanzi kona.

20 Kwa ti, be sa hlezi esitebeni, izwi lika Jehova leza ku lomprofeti o m buyisileyo:

21 Wa memeza kumuntu ka Tixo owa vela kwa Juda, wa ti, U ti uJehova, ngokuba a u kwenzanga loko oku yaleziweyo ngomlomo ka Jehova, a u kwenzanga njengokutyo kwake uJehova uTixo wako a ku yala kona.

22 Kodwa u buyile, u dhlele ukudhla, u puzile namanzi kulendawo, ngayo uJehova wa ti kuwe, U nga dhli ukudhla, u nga puzi namanzi kona; isidumbu sako ka si yi kubekwa etuneni lokoko bako.

23 Kwa ti, e se dhlele ukudhla, e se puzile, ba m bopela imbongolo yake, ukuti, yena umprofeti a be m buyisile.

24 E se hambile, ibubesi la hlangana naye endhleleni, la m bulala: isidumbu sake sa ntyingwa endhleleni, imbongolo yena ecaleni laso, futi nebubesi lema eduze nesidumbu.

25 Kwa ti, abantu abadhlulayo kona, ba bona isidumbu si lahlwe endhleleni, ibubesi li mi eduze nesidumbu; beza ba landa lendaba emuzini lapo lomprofeti omdala e be hlezi kona.

26 E se zwile loko, umprofeti o be m buyisile endhleleni wa ti, Ku ngumuntu ka Tixo, o nga lalalanga izwi lika Jehova; ngako uJehova u m nikeze kulo ibubesi, la m hlepula, la m bulala, njengalo izwi lika Jehova, a li tyoyo kuye.

27 Wa kuluma emadodaneni ake, wa ti, Bopelani imbongolo, ba yi bopela.

28 Wa ya wa fumana isidumbu sake si lahlwe endhleleni, imbongolo nebubesi li mi eduze nesidumbu: ibubesi la be li nga dhlanga isidumbu, la be li nga hlepulanga nembongolo.

29 Umprofeti wa tata isidumbu somuntu ka Tixo, wa si beka pezu kwembongolo, wa si buyisa; umprofeti omdala weza emuzini, ukulula noku m mbela.

30 Wa si beka isidumbu sake etuneni lake; ba m kalala, ba ti, Maye, mfo wetu!

31 Kwa ti, e se ni mbele, wa kuluma emadodaneni ake, wa ti, Lapo se ngi file nami, ma ni ngi lahle kulelituna lapo umuntu ka Tixo e lahle kona; bekani amatambo ami ndawonye namatambo ake:

32 Ngokuba loko a ku memezayo ngezwi lika Jehova kulo ilati eli seBeteli, na kuzo izindhlu zonke zezindawo ezipakamileyo ezi semizini ya seSamaria, ku za kuzo impela.

33 Ngasemva kwa loko uJeroboamu ka yi shiyanga indhlela yake embi, kodwa wa tata abafokazi babantu wa ba misa ba be abapristi bezindawo ezipakamileyo; lowo otandayo wa m misa, a be umpristi ezindaweni ezipakamileyo.

34 Loko kwa ba isono kuyo indhlu ka Jeroboamu, ukuyicita, nokuyiqeda i pele ebusweni bomhlaba.

## ISAHLUKO 14.

**N**GA lesosikati uAhija indodana ka Jeroboamu wa e gula.

2 uJeroboamu wa ti kumkake, A ke u suke, u zifihle, ukuze ku nga bonakali ukuba u ngumfazi ka Jeroboamu; hamba u ye eShilo: bheka, ku kona lapo uAhija umprofeti, yena owa tyo ngami ukuti, ngi za kuba inkosi ya laba bantu.

3 U tate izinkwa ezi ishumi, u hamba nazo, kanye namacweewana, nopiso lwezinyosi, u ye kuye: yena u za kukutyla loko oku ya kuvela kumtwana.

4 Umka Jeroboamu wenza njalo, wa suka, wa ya eShilo weza endhlini ka Ahija. uAhija wa e nge nakubona; ngokuba amehlo ake a be nonewazi ngenxa yobudala bake.

5 uJehova wa ti kuAhija, Bheka, nangu umfazi ka Jeroboamu e za ukubuzo kuwe ngayo indodana yake; ngokuba i ya gula; wo ni pendula ngokuti na ngokuti; ngokuba ku za kuti, ekungeneni kwake, u ya kuzenza njengomunye muntu.

6 Kwa ku njalo, uAhija lapo e zwa izigqi zezinyawo zake, ekungeneni kwake, emnyango, wa ti, Ngena, wena mfazi ka Jeroboamu; u zenzelani njengomunye muntu na? ngokuba ngi tunyiwe kuwe ngi nezindaba ezisindayo.

7 Hamba, u m tyele uJeroboamu, U ti uJehova uTixo ka Israeli, ngokuba ngi ku ketile ngi ku pakamisile pakati kwabantu, ngi kwenzile u be ikonzana la laba bantu bami abaIsraeli,

8 Ngapuea indhlu ka Davida umbuso,

nga wu nika wena; kepa a wenzanga njengayo ineeke yami uDavida, owa gcina izimemezelo zami, wa ngi landela ngenhliziyu yonke yake, enze loko okufaneleyo emehlweni ami;

9 Kodwa wenzile okubi okukulu ku nabo bonke aba ngapambili kwako; ngokuba wa zenzela izitixo ezinye, nemifanekiso ekandwayo, ukungivusa ngi tukutele, u ngi delile u ngi fulatele:

10 Ngako bheka, ngi ya kuleta okubi kuyo indhlu ka Jeroboamu, ngi ya kususa kuJeroboamu yena o nobudoda, naye o valiwe oseleyo kwa Israeli, ngi ya kususa okuseleyo kwendhlu ka Jeroboamu, njengokuba umuntu e susa ubulongwe, bu ze bu pele.

11 Yena wa kwa Jeroboamu ofayo emuzini, u za kudhliwa izinja; naye ofayo endhle u za kudhliwa izinyoni ezindizayo; ngokuba uJehova u tyilo.

12 Suka ngako, u ye kwako; ekungeneni kwezinyawo zako emuzini, u ya kufa umtwana.

13 Ba ya kumkalela bonke abaIsraeli, ba ya kumbela ngokuba u yena yedwa inzalo ka Jeroboamu o ya kungewatywa, ngokuba ku funyanwa kuyena ukulungama emehlweni ka Jehova uTixo ka Israeli, endhlini ka Jeroboamu.

14 Futi, uJehova u ya kumisa inkosi yabaIsraeli, i ya kunquma indhlu ka Jeroboamu nga lolusuku; kodwa yini na? Kona manje ke.

15 Ngokuba uJehova u ya kunqoba abaIsraeli, njengohlanga lu zanyazanyiswa emanzini, u ya kusipula abaIsraeli ku lelizwe elihle, a li nikayo oyise babo, u ya kubahlakaza ngapambili komfula, ngokuba benzile uAshera ba vusa ulaka luka Jehova.

16 U ya kushiya abaIsraeli ngenxa yezono zika Jeroboamu, owona, owenza abaIsraeli bone.

17 Wa suka umka Jeroboamu, wa hamba, weza eTirza, e se fikile emgulugulwini emnyango, umtwana wa fa:

18 Ba m mbela, bonke abaIsraeli, ba m kalela, njengalo izwi likaJehova, a li kulumayo ngaye uAhija umprofeti ineeke yake.

19 Imisebenzi eminye ka Jeroboamu, ukulwa kwake, nokubusa kwake, bheka, ku lotyiwe enwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

20 Imihla yokubusa kuka Jeroboamu ya yi iminyaka e ngamashumi amabili nambili; wa lala nokoko bake; uNada-

bi indodana yake wa busa esikundhleni sake.

21 uReoboamu indodana ka Solomona wa busa kwa Juda. Ekuqaleni kwake ukubusa uReoboamu wa e neminyaka i ngamashumi amane nanye; wa busa iminyaka e ishumi nesikombisa eJerusalem, umuzi a wu ketileyo uJehova pakati kwezizwe zonke zabaIsraeli, ukuze a beke kona igama lake: igama lika nina la li nguNama umAmoni.

22 AbaJuda benza okubi emehlwini ka Jehova, ba m vusela umona ngezono zabo aba zenzileyo, nga pezu kwako konke aba kwenzileyo okoko babo.

23 Ngokuba ba zakela izindawo ezipakamileyo, nezitombe noAshera, ezintabeni zonke ezipakamileyo, nangapansi kwemiti yonke eluhlaza.

24 Futi a be kona amaSodoma ku lelozwe; kuba bona njengobubi bonke bezizwe uJehova a zi xotyileyo paubi kwabantwana baka Israeli.

25 Kwa ti ngomnyaka wesihlanu wenkosi uReoboamu, uShishaka inkosi ya sEgipite wenyuka ukuhlasela eJerusalem;

26 Wa susa imfuyo yendhlu ka Jehova, nemfuyo yendhlu yenkosi; wa susa konke nje: wa susa amahau egolide a be enziwe nguSolomona.

27 Inkosi uReoboamu wenza amahau etusi ezikundhleni zawo, wa wa nika ezandhleni zezinduna zabalindi, abalandayo umnyango wendhlu yenkosi.

28 Kwa ti, ekungeneni kwenkosi endhlini ka Jehova, abalindi ba wa twala, ba wa buyisela egumbini labalindi.

29 Imisebenzi eminye ka Reoboamu, nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe ini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

30 Kwa ku kona ukulwa, ba lwa oReoboamu noJeroamo imihla yonke yabo.

31 uReoboamu wa lala nokoko bake, wa mbelwa ndawonye noyise emuzini ka Davida. Igama lika nina la li nguNama umAmoni. uAbijamu indodana yake wa busa esikundhleni sake.

#### ISIAHLUKO 15.

**N**NGOMNYAKA weshumi nesishiyangalombili wenkosi uJeroamo indodana ka Nebati eAbijamu wa busa kwa Juda.

2 Wa busa iminyaka emitatu eJerusalem. Igama lika nina la li nguMaka, indodakazi ka Abishalomu.

3 Wa bamba ezonweni zonke zika yise, a zenzileyo kuqala: inhliziyoyake ya yi nga lungile kuJehova uTixo wake, nje- ngenhliziyoyake ka Davida uyise.

4 Kodwa, uJehova uTixo wake wa m nika isibane eJerusalem, ngenxa ka Davida, ukumisa indodana yake ngasemva kwake, ukuqinisa iJerusalem:

5 Ngokuba uDavida wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, izinsuku zonke zokuhamba kwake, ka pambukanga ngaluto a m yalelayo lona, kupela endabeni ka Uria unHiti.

6 Kwa ku kona ukulwa ba lwa oReoboamu noJeroamo imihla yonke yabo.

7 Imisebenzi eminye ka Abijamu, nako konke akwenzayo, ka ku lotyiwe ini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda? Kwa ku kona ukulwa pakati kuka Abijamu noJeroamo.

8 uAbijamu wa lala nokoko bake; ba m mbela emuzini ka Davida; uAsa indodana yake wa busa esikundhleni sake.

9 Ngomnyaka o ngamashumi amabili ka Jeroamo inkosi yaba Israeli uAsa wa busa kwa Juda.

10 Wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amane nanye. Igama lika nina la li nguMaka, indodakazi ka Abishalomu.

11 uAsa wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, njengoyise uDavida.

12 Wa susa amaSodoma ezweni, wa susa nezitombe zonke eza be zenziwe oyise.

13 Futi wa m kipa uMaka unina, ebukosikazini, ngokuba wa senza isitombe sika Ashera, uAsa wa bulala isitombe sake, wa si tyisa ecibini iKidroni.

14 Kodwa izindawo ezipakamileyo za zi nga suswa; kepa inhliziyoyake ka Asa ya i lungile kuJehova imihla yonke yake.

15 Wa ngenisa endhlini ka Jehova izinto ezingewele zika yise, kanye nezinto ezingewele zake, isiliva, negolide, nezitya.

16 Kwa ku kona ukulwa pakati kuka Asa noBasha inkosi yaba Israeli imihla yonke yabo.

17 uBasha inkosi yabaIsraeli wa kupuka ukuhlasela kwa Juda, waka iRama, ukuvimbela abantu ba nga pumi, ba nga ngeni enkosini yabaJuda uAsa.

18 uAsa wa tata isiliva lonke kanye negolide ela be li sele emfuyweni yendhlu ka Jehova nemfuyo yendhlu yenkosi, wa ku nika ezandhleni zezi-



neeku zake: Inkosi uAsa wa ku tumela ku Benhadade, indodana ka Tabrimona, indodana ka Heziona, inkosi ya seSiria, e hlezi eDamaseku, e ti,

19 Si kona isivumelwano pakati kwami nawe, pakati kobaba noyihlo; bheka ngi ku tumele isipo, sesiliva negolide; woza u sapule isivumelwano sako noBasha inkosi yabaIsraeli, ukuze a muke kimi.

20 Njalo uBenhadade wa lalela uAsa inkosi wa tuma izinduna zempi yake ukuhlasela emizini yabaIsraeli, wa nqoba iIjoni, neDani, neAbelebetemaka, neKinerota lonke, nezwe lonke laba-Nafetali.

21 Kwa ti, uBasha e se zwile loko, wa peza ukwaka iRama, wa hlala eTirza.

22 Ngasemva kwa lesisikati inkosi uAsa wa mema abaJuda bonke; kwa ku nge ko muntu okululekileyo: ba susa amatye a seRama, nemiti yalo, uBasha a be akile ngayo; inkosi yaka ngayo iGeba kwa Benjamin, neMizpa.

23 Imisebenzi yonke eminye ka Asa, namandhla onke ake, nako konke a kwenzayo, nemizi a yakayo, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda? Kodwa ngesikati sobudala bake wa enaso isifo ezinyaweni zake.

24 uAsa wa lala nokoko bake, wa mbelwa kanye nokoko bake emuzini ka Davida uyise; uJehoshafati indodana yake wa busa esikundhlени sake.

25 uNadabi indodana ka Jeroboamu wa qala ukubusa kwa Israeli ngomnyaka wesibili ka Asa inkosi yabaJuda, wa busa kwa Israeli iminyaka emibili.

26 Wenza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba endhleleni ka yise, na sesonweni sake ngaso wa bonisa abaIsraeli.

27 uBasha indodana ka Abija, umuntu wendhlu ka Isakari, wenza icebo kuye uBasha, wa m nqoba eGibetoni, umuzi wabaFilisti; ngokuba uNadabi nabaIsraeli bonke ba haqa iGibetoni.

28 Ngomnyaka wesitatu ka Asa inkosi yabaJuda uBasha wa m bulala, wa busa esikundhlени sake.

29 Kwa ti, lapo e se busa, wa bulala indhlu yonke ka Jeroboamu, ka shiyanga kuJeroboamu namunye opefunlayo, wa za wa m bulala, njengokutyo kuka Jehova, a m kulumayo ngenceku yake uAhija wa seShilo?

30 Ngenxa yezono zika Jeroboamu a be ona ngazo, wenza abaIsraeli bone

ngazo, na ngokuhlupa kwake ngako a be vusile ulaka luka Jehova uTixo ka Israeli.

31 Imisebenzi eminye ka Nadabi, nokwenza konke kwake, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

32 Kwa ku kona ukulwa pakati kuka Asa naye uBasha inkosi yabaIsraeli izinsuku zonke zabo.

33 Ngomnyaka wesitatu ka Asa inkosi yabaJuda uBasha indodana ka Ahija wa qala ukubusa abaIsraeli bonke eTirza, iminyaka e ngamashumi amabili nane.

34 Wenza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba endhleleni ka Jeroboamu, na sesonweni sake ngaso a be benzile abaIsraeli bone.

### ISAHLUKO 16.

**L**EZA izwi lika Jehova kuJehu indodana ka Hanani lokucita uBasha. ukuti,

2 Ngokuba nga ku pakamisa nga sotulini, nga kwenza u be inkosi yabantu bami abaIsraeli, u hambile kodwa endhleleni ka Jeroboamu, wenzile abantu bami abaIsraeli bone, u ngi vusile ulaka ngezono zabo;

3 Bheka, ngi ya kususa inzalo ka Basha, nenzalo yendhlu yake; ngi ya kwenza indhlu yako i be njengayo indhlu ka Jeroboamu indodana ka Nebati.

4 Yena ofayo ka Basha emuzini u ya kudhliwa iziuja: yena kwaba kwake ofayo endhle, u ya kudhliwa izinyoni.

5 Imisebenzi eminye ka Basha, nokwenza kwake, namandhla ake, a ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

6 uBasha wa lala nokoko bake wa m belwa eTirza: uEla indodana yake wa busa esikundhlени sake.

7 Futi kwa fika izwi ngaye uJehu umprofeti indodana ka Hanani kuBasha, nakuyo indhlu yake, ngenxa yokubi konke a be kwenzile emehlweni ka Jehova, ngokumvusele ulaka ngomsebenzi wezandhla zake, nokufana nendhlu ka Jeroboamu, ngokuba wa m bulala.

8 Ngomnyaka o ngamashumi amabili nesitupa ka Asa inkosi yabaJuda wa qala uEla indodana ka Basha ukubusa kwa Israeli eTirza, iminyaka emibili.

9 Inceku yake uZimri, induna yenxenyeyezinqola zake, wa menzela icebo, lapo e be e seTirza, e puza a ze a dakwe

endhlini ka Arza, umlindi wendhlu yake eTirza.

10 uZimri wa ngena wa m bulala, wa ze wa fa, ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa ka Asa inkosi yabaJuda, wa busa esikundhlени sake.

11 Kwa ti, ekuqaleni kwake ukubusa, qede a hlale esihlalweni sake sobukosi, wa bulala indhlu yonke ka Basha: ka m shiyanga namunye o nobudoda, kwaba kwabo, na kuzo izihlobo zake.

12 Njaloke uZimri wa qeda indhlu yonke ka Basha, njengalo izwi lika Jehova, a li tyoyo kuBasha, ngoJehu umprofeti,

13 Ngenxa yezono zonke zika Basha, nezono zika Ela indodana yake, a bone ngazo, benza abaIsraeli bone nagazo, ngokuvusa ulaka luka Jehova uTixo wabaIsraeli ngokuzidhla kwabo,

14 Imisebenzi eminye ka Ela, nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

15 Ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa ka Asa, inkosi yabaJuda uZimri wa busa eTirza izinsuku ezi isikombisa. Abantu ba be haqa iGibetoni, umuzi wamaFilisti.

16 Abantu aba haqayo kona bezwa ku tiwa, uZimri wenzile icebo, futi u bulele inkosi: ngako abaIsraeli bonke ba m misa uOmri, induna yamabuto, a be inkosi yabaIsraeli nga lolusuku kona ekamu.

17 uOmri wa kupuka nga seGibetoni, kanye nabaIsraeli bonke, ba haqa iTirza.

18 Kwa ti, uZimri e se bonile ukuba unuzi wa u nqotywe, wa ngena esigodhlweni sendhlu yenkosi, wa yi tyisa indhlu yenkosi ngomlilo e kona pakati, wa fa kona.

19 Ngenxa yezono zake ona ngazo ngokwenza okubi emehlweni ka Jehova, ngokuhamba endhleleni ka Jeroboamu, ngesono sake, wonisa abaIsraeli.

20 Imisebenzi eminye ka Zimri, nokuhlubuka kwake, ka ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi aba Israeli.

21 Kona abantu abaIsraeli ba hlukaniswa kabili; abanye ba landela uTibni indodana ka Ginate, ba m misa a be inkosi; abanye ba landela uOmri.

22 Kodwa abantu aba be landela uOmri ba bahlula abantu aba be landela uTib-

ni indodana ka Ginate; njalo uTibni wa fa, uOmri wa busa.

23 Ngomnyaka o ngamashumi amatatu nanye ka Asa inkosi yabaJuda uOmri wa qala ukubusa kwa Israeli, iminyaka e ishumi nambili, iminyaka e isitupa wa busa eTirza.

24 Wa tenga intaba iSamaria kuShemare ngamatalenta amabili esiliva, waka emangweni, wa qamba igama lomuzi a wakileyo, ngegama lika Shemare umni-niyo intaba, ukuti iSamaria.

25 Kodwa uOmri wenza kabi emehlweni ka Jehova, wona ku nabo bonke aba ngapambili kwake.

26 Ngokuba wa hamba ngendhlela yonke ka Jeroboamu indodana ka Nebati, na sesonweni sake ngaso wonisa abaIsraeli, ukuvusa ulaka luka Jehova uTixo ka Israeli ngokuzidhla kwabo.

27 Imisebenzi eminye ka Omri a yenzileyo, namandhla ake a wa bonakalisayo, a ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

28 uOmri wa lala nokoko bake, wa mbelwa eSamaria: uAhabi indodana yake wa busa esikundhlени sake.

29 Ngomnyaka o ngamashumi amatatu neshiyagalombili ka Asa inkosi yabaJuda uAhabi indodana ka Omri wa qala ukubusa kwa Israeli: uAhabi indodana ka Omri wa busa kwa Israeli eSamaria iminyaka e ngamashumi amabili nambili.

30 uAhabi indodana ka Omri wenza okubi emehlweni ka Jehova ku nabo bonke aba be ngapambili kwake.

31 Kwa ti futi, (kwa ku ize yini ukuba wa hamba ezonweni zika Jeroboamu indodana ka Nebati?) wa tata uJezeheli indodakazi ka Etebali inkosi yamaZidonia, a be umfazi wake, wa ya wa dumisa uBali, wa m konza.

32 Wa m misela uBali ilati endhlini ka Bali, a be yakile eSamaria.

33 uAhabi wenza umfanekiso ka Ashera; njaloke uAhabi wa vama imisebenzi yokuvusa ulaka luka Jehova uTixo wabaIsraeli ku nawo wonke amakosi abaIsraeli a be ngapambili kwake.

34 Ngesikati sake uHeli wa seBeteli waka iJeriko: wa beka isisekelo endodaneni yake uAbiramu o ngowamazibulo ake, wa misa amasango endodaneni yake yamangeino uSegubi, njengalo izwi lika Jehova, a li tyoyo ngoJeshua indodana ka Nuni.

## ISAHLUKO 17.

**U**JELIJA umTishebe, wa seGiladi, wa ti kuAhabi, Ukona uJehova uTixo ka Israeli, engi mi pambi kwake, a ku yi kuba kona namazolo nemvula ku leminyaka, kupela njengezwi lami.

2 Izwi lika Jehova leza kuye, la ti,

3 Suka lapa, u ye ngasempumalanga, u catye nga semfuleni oku tiwa iKerite, eli ngapambili kweJordani.

4 Ku za kuti, u ya ku puza emfuleni lowo, ngi yalile amagwababa a ku pe ukudhla kona.

5 Njalo wa ya weuza njengokutyo ku-ka Jehova; wa ya wa hlala nga semfuleni iKerite, o ngapambili kweJordani.

6 Amagwababa a m zisela isinkwa nenyama kusasa, nesinkwa nenyama kusihlwa; wa puza amanzi emfuleni.

7 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku, amanzi omfula a tya ngokuba la be li nga ni izulu ku lelozwe.

8 Izwi lika Jehova leza kuye, la ti,

9 Suka, u ye eZarefate, umuzi wa seZidoni, u hlale kona; ngi yalile umfelokazi wa lapo ukukondhla.

10 Wa suka wa ya eZarefate. Ekufikeni kwake esangweni lomuzi, bheka, lomfelokazi wa e cakatya kona: wa m biza, wa ti, A ke u ngi letele incozana amanzi esityeni, ngi puze.

11 E se hamba ukuwatata, wa m meza, wa ti, Wo ngi letela, nocezu lwe-sinkwa esandhleri sako.

12 Wa ti, U kona uJehova uTixo wako, impela a ngi naso isinkwa, kodwa i kona incozana impupu esityeni, namafuta a incozana opisweni, bheka ngi cakatya izinkuni ezimbili, ukuze ngi nge-ne ngi zipekele mina nendodana yami, ukuze si dhle, si fe.

13 uElija wa ti kuye, U ngesabi; hamba wenze loko o ku tyoyo: kepa wo ngenzela isinkwana sami kuqala, u si lete kimi, ngasemva wo zipekela kanye nendodana yako.

14 Ngokuba wa ti uJehova uTixo ka Israeli, Isitya sempupu a ku yi kupela, futi nopiso lwamafuta a lu yi kupela, ku ze ku fike usuku lapo uTixo a za kunisa imvula emhlabatini.

15 Wa hamba wenza njengokutyo ku-ka Elija: naye, kanye noElija, nabantu bomfelokazi, ba dhla zinsuku eziningi.

16 Umpongolo wempupu a wu pelanga, upiso lwamafuta a lu pelanga, nje-ngezwi lika Jehova, a li shumayelayo ngoElija.

17 Kwa ti ngasemva kwa lezo zinto, indodana ya lomfelokazi, umnikazi-ndhlu ya gula, ukufa kwayo kwa ku namandhla, ukuba ya fa.

18 Wa ti kuElija, Ngi namsebenzi muni nawe na, wena muntu ka Tixo? U ze lapa kimi yini ukungikumbuzisa isono sami, nokubulala indodana yami na?

19 Wa ti kuye, Ngi nike indodana yako. Wa yi tata ngasesifubeni sake, wa kupuka nayo egumbini pezulu lapo e be hlezi kona, wa yi beka embedeni wake.

20 Wa kuleka kuJehova, wa ti, E Jehova Tixo wami, nembala u m enzele okubi lomfelokazi engi hlezi kwake, ngokubulala indodana yake na?

21 Wa zeleka pezu komtwana kata-tu, wa kuleka kuJehova, wa ti, E Jehova Tixo wami, umpefunilo wa lomtwana ma u buye u ze ku yena.

22 uJehova wa lalela izwi lika Elija; umpefunilo womtwana, wa buya wa ngena kuye, wa vuka.

23 uElija wa m tata umtwana, wehlilika naye nga segumbini la pezulu weza endhlini, wa m beka kunina: uElija wa ti, Bheka, nansi indodana yako i vukile.

24 Umfazi wa ti kuElija, Nga loku ngi yazi ukuba weu u ngumuntu ka Tixo, nokuba izwi lika Jehova eli semlo-nyeni wako li iqiniso.

## ISAHLUKO 18.

**K**WA ti ngasemva kwezinsuku eziningi, izwi lika Jehova leza kuElija ngomnyaka wesitatu, la ti, Hamba, u ye u zibonise kuAhabi; ngi ya kunisa imvula emhlabeni.

2 uElija wa hamba ukuzibonisa ku-Ahabi. Indhlala ya i nkulu eSamaria.

3 uAhabi wa m biza uObadia, umbusi wendhlu yake. uObadia lo wa e mesaba uJehova kakulu.

4 Kwa ti, ngesikati lapo uJezabeli wa bulala abaprofeti baka Jehova, uObadia, wa tata abaprofeti aba ikulu, wa ba fihla emhumeni ngezixukwana ukuti abantu abangamashumi amahlanu, wa bondhla ngokudhla namanzi.

5 uAhabi wa ti kuObadia, Hamba u ye emitonjeni yonke, ezweni lelo, na semfuleni yonke: ku nga be si ya kufumana utyani si sindise amahashi nezimbongolo, ukuze izilwane zi nga fi.

6 Ngako ba hlukaniselana izwe ukuba

ba li nqume: uAhabi wa ya ngenye indhlela, e yedwa, uObadia naye wa hamba ngenye indhlela e yedwa.

7 uObadia e sendhleleni, wa hlanguana naye uElija, wa m azi, wa wa ebusweni bake, wa ti, Wena u inkosi yami uElija yini na?

8 Wa ti kuye, Ngi nguye: hamba u yi tyele inkosi yako, u ti, Bheka, nangu uElija.

9 Wa ti, Ngoneni mina, ukuba u tando ukunikela ineeke yako esandhleli sika Ahabi, a ngi bulale?

10 U kona uJehova uTixo wako, ka si ko isizwe, ka u ko nombuso, lapo inkosi yami i nga tumanga kona ukukufuna: uma nxa ba ti, Ka ko; ya fungisa abombuso nesizwe, ba qinise ukuba a ba ku funananga.

11 Kaloku wena u ti, Hamba, u ye u yi tyele inkosi yako, ukuti, Bheka, uElija u lapa.

12 Ku za kuti, se ngi sukile kuwe, umoya ka Jehova u ya kukuyisa endaweni engi nga yaziyo; kanjaloke uma ngi ze ngi m tyele uAhabi, naye e nga ku funananga, u za kungibulala; kepa mina neeku yako ngi m esabe uJehova kwa sebutyeni bami.

13 Inkosi yami ka i bikelwa yini loko enga kwenzayo mzukwana uJezebeli wa ba bulala abaprofeti baka Jehova, ukuti nga fihla emhumeni abantu aba ikulu baka Jehova, aba ngabaprofeti, ngezixukwana zabantu aba ngamashumi amahlanu, nga bondhla ngokudhla namanzi?

14 Kaloku wena u ti, Hamba, u ti enkosini yako, Bheka, nangu uElija: i ya kungibulala.

15 uElija wa ti, U kona uJehova wamabandhla, engi mi panbi kwake, ngi ya kuzibonisa kuye namhlanje.

16 Ngako uObadia wa ya ukumhlangabeza uAhabi, wa m tyela; uAhabi wa ya ukumhlangabeza uElija.

17 Kwa ti, uAhabi e se m bonile uElija, uAhabi wa ti kuye, Wena u nguye ohlupayo abalraeli yini na?

18 Wa ti, A ngi ba hlupanga abalraeli; kodwa wena, nendhlu ka yihlo, ni ba hlupile, ngokuba ni delile imiyalo ka Jehova, u landele izitombe zika Bali.

19 Kaloku wena ma u tume, u butele kimi lapa, entabeni okutiwa iKarmeli abalraeli bonke, nabaprofeti baka Bali a ba amakulu amane namashumi amahlanu, nabaprofeti baka Ashera a ba nga-

makulu amane, abadhlayo esitebeni sika Jezebeli.

20 Njalo uAhabi wa tumela kubo bonke abantwana baka Israeli, wa butela abaprofeti entabeni okutiwa iKarmeli.

21 uElija weza kubo bonke abantu, wa ti, Ku za kuba nini na ni nga keti kuko ukukolwa okubili? Uma uJehova u nguTixo, m landeleni: kodwa ukuba u nguBali, m landeleni njalo. Kepa abantu a be m pendula nokanci.

22 uElija wa ti kubantu, Yimi ngedwa, o salayo e ngumprofeti ka Jehova; kodwa abaprofeti baka Bali ba ngabantu aba ngamakulu amane namashumi amahlanu.

23 Kaloku ma ba si nike izinkabi ezimbili; ma ba zi ketele enye inkabi i be yabo, ba yi hlalele, ba i beke pezu kwezinkuni, be nga wu beki umlilo; nami ngi ya kulungisa enye inkabi, ngi yi beke pezu kwezinkuni, ngi nga wu beki umlilo kodwa;

24 Nina ma ni kuleke ngegama labo otixo benu, nami ngi ya kukuleka ngegama lika Jehova: a ku ti utixo ope-n-dulayo ngomhlo, yena ma be o ngu-tixo impela. Abantu bonke ba pendula ba ti, Kuhle loko.

25 uElija wa ti kubaprofeti baka Bali, Ketani inkabi enye, ni zilungisele yona kuqala; ngokuba nina ni baningi; ni kuleke egameni lotixo benu, ni nga beki umlilo kodwa.

26 Ba yi tata inkabi, aba piwa youa, ba yi lungisa, ba kuleka egameni lika Bali ngasekuseni kwa za kwa semini, be ti, We Bali, si pendule. Kodwa la li nge ko nazwi, wa u nge ko nonpendulo. Ba xuma elatini e be lenziwe kona.

27 Kwa ti emini, uElija wa ba binqa, wa ti, Memezani kakulu; ngoba yena u ngutixo; mhlaumbe u xoxa indaba, mhlaumbe u sendhlini, mhlaumbe u ya hamba, mhlaumbe u lele, ku sweleka a vuswe.

28 Ba kala, ba zi sika ngenese na ngenemikonto, njengomkuba wabo kwa ze kopa igazi labo.

29 Kwa ti, ntamibama, ba profeta kwa za kwa sesikatini somnikelo, kepa la li nge ko nazwi, kwa ku nge ko mpendulo, nokulalela.

30 uElija wa ti kubantu bonke, Sondelani kimi, abantu bonke ba sondela kuye. Wa lungisa ilati lika Tixo ela li dilikile.

31 uElija wa tata amatye a ishumi ma-

mbili, njengobuningi bezizwe zamadodana ka Jakobe, e leza kuye izwi lika Jehova, li ti, Igama lako li za kuba uIsraeli;

32 Waka ilati ngamatye egameni lika Jehova: wemba umsele nga selatini, o lingeneyo nezilinganiso ezimbili zembewu.

33 Wa zelakanyisa izinkuni, wa hlalhlala inkabi, wa yi beka pezu kwezinkuni, wa ti, Gewalisani izimbiza ezine ngamanzi, ni wa tele eminikelweni yokutya, na sezinkunini,

34 Wa ti, Yenzani loko kabili. Ba kwenza kabili. Wa ti, Yenzani katatu. Ba kwenza katatu.

35 Amanzi a goboza elatini; wa gewalisa umsele ngamanzi.

36 Kwa ti ngesikati sokunikela umnikelo wokuhlwa, uElija unprofeti wa sonдела, wa ti, Jehova Tixo ka Abraham, ka Isaka, noka Israeli, ma kwaziwe namhla ukuba wena u nguTixo kwa Israeli, nokuba mina ngi inceku yako, noku-ba ngenzile konke njengokutyo kwako.

37 Ngi pendule, Jehova, ngi pendule, ku kona lababantu ba ya kwazi ukuba wena u nguJehova uTixo, ukuba u buyisile izinhlizyo zabo.

38 Njalo wehla unlilo kuJehova, wa tyisa umnikelo, kanye nezinkomo, namatye, notuli, kwa iya namanzi a semseleni.

39 Abantu bonke se be ku bonile loku, ba wa ngobuso babo: ba ti, uJehova, u nguTixo; uJehova, u nguTixo.

40 uElija wa ti kubo, Bamhani abaprofeti baka Bali; ma a nga baleki namunye. Ba ba bamba; uElija wa behlisela emfuleni iKedroni, wa ba bulala kona.

41 uElija wa ti kuAhabi, Suka u kupuke, u dhle u puze: ngokuba ku kona udumo lwenzvula eningi.

42 uAhabi wa kupuka ukudhla nokupuka. uElija wa kupukela entabeni iKarmeli, wa hlala pansi emhlabatini, wa nxolombisa,

43 Wa ti encekwini yake, Kupuka, u bheke nga selwandhle. Wa kupuka, wa lunguza, wa ti, A ngi boni luto. Wa ti, Kupuka u pinde izikati ezi isikombisa.

44 Kwa ti ngesikati sesikombisa, wa ti, Bheka, ku ya kupuka nga selwandhle ifu elincane, li ngangaso isandhla somuntu. Wa ti, Kupuka, u ti, kuAhabi; Bopela inqola yako, wehle, funa u vinjelwe invula.

45 Kwa ti ngesikatyana izulu la li guqubele, li namafu nomoya, invula ya i nkulu kakulu. uAhabi wa hamba enqoleni, wa fika eJezreli.

46 Isandhla sika Jehova sa si kuye uElija; wa bopa ukalo lwake, wa gjijima pambi kuka Ahabi wa za wa fika esangweni la seJezreli.

## ISAHLUKO 19.

U AHABI wa m tyela uJezebeli konke a kwenzileyo uElija, ukuba u ba bulele abaprofeti bonke ngenkamba.

2 uJezebeli wa tuma isigijimi kuElija, wa ti, Izitixo ma zenzæ njalo kimi, zenezele, uma ngi nga kwenzi wena u be njengomunye wa labo ngomiso nga lesisikati.

3 E se zwile loko, wa suka, wa hamba ukuze a sinde, weza eBeresheba, la seJudia, wa yi shiya kona inceku yake.

4 Kodwa yena wa hamba usuku lwa lunye ehlane, weza wa hlala pansi komuti werotemu: inhlizyo yake ya ti se nga ti a nga fa; wa ti, Se kwanele; kaloku, Jehova, ma ngi fe mina; ngokuba a ngi lungile ku nabo obaba bami.

5 E se lele ubutongo pansi komuti werotemu, bheka, ingelosi ya m tinta, ya ti, Vuka u dhle.

6 Wa bheka, wa bona, kwa ku kona isinkwa eziko, nopiso lwamanzi nga sekanda lake. Wa dhla wa puza, wa buya wa lala pansi.

7 Ingelosi ka Jehova ya buya yeza kuye ngokwesibili, ya m tinta, ya ti, Vuka u dhle; ngokuba u za kuhamba kakulu.

8 Wa suka, wa dhla wa puza, wa hamba e nga ku dingi ukudhla izinsuku ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane weza entabeni ka Tixo, iHorebe.

9 Wa fika kona emhumeni, wa hlala kouna; izwi lika Jehova leza kuye, la ti kuye, Wenzani lapa, Elija?

10 Wa ti, Kade nga ngi pityekile ngenxa ka Jehova uTixo wamabandhla: ngokuba abantwana baka Israeli ba pulile isivumelwano sako, ba bidhlizile amalati ako, ba bulele abaprofeti bako ngenkamba; mina, ngedwa, ngi sele, ba ya ngi funa nami, ukuze ba ngi bulale.

11 Wa ti, Puma, u hamba u me entabeni pambi kuka Jehova. Kwa ti, uJehova wa dhluza, umoya omkulu o namandhla wa gqibula izintaba, wa bulala namatye pambi kwake uJehova; kodwa

uJehova wa e nge ko emoyeni; ngasemva komoya kwazamazama umhlaba; kodwa uJehova wa e ngeko ekuzamazameni komhlaba:

12 Ngasemva kokuzamazama komhlaba wa u kona umlilo; kodwa uJehova wa e nge ko emlilweni; ngasemva komlilo izwi elincane.

13 Kwa ti, uElija e se li zwile, wa mboza ubuso bake ngengubo yake, wa puma, wema emnyango womlume. Bheka, leza izwi kuye, la ti, Wenzani lapa, Elija?

14 Wa ti, Kade nga ngi pityekele uJehova uTixo wamabandhla, ngokuba abantwana baka Israeli bapulile isivumelwano sako, ba bidhlizile amalati ako, ba bulele abaprofeti bako ngenkamba; mina, ngedwa, ngi sele; ba ya ngi funa nani ukuba ba ngi bulale.

15 uJehova wa ti kuye, Hamba, u pindlele ngendhlala e ya ehlane la seDamaseku: ekufikeni kwako, wo m geoba uHazali a be inkosi yamaSiria:

16 uJehu indodana ka Nimshi wo m geoba a be inkosi yabaIsraeli: uElisha indodana ka Shafati wa seAbelmehota wo m geoba a be umprofeti esikundhleni sako.

17 Ku za kuti, yena o balekela inkemba ka Hazali wo bulawa uJehu: naye o balekela inkemba ka Jehu wo bulawa uElisha.

18 Ngi za kuzilondolozela kubaIsraeli izinkulungwane ezi isikombisa, bona aba nga guqile ngamadolo kuBali, nemilomo e nga manganga.

19 Njalo wesuka lapo, wa m fumana uElisha indodana ka Shafati, e linna ngezinkabi eza botywa ngamajokwe a ishumi nambili, pambi kwake, yena e kwezeleshumi nambili, uElija wa dhlula kuye, wa m fumba ngengubo yake.

20 Wa zi shiya izinkabi, wa gijima wa m landela uElija, wa ti, Ma ngi ye, ngi bange obaba nomame, ngi za kubuya ngi ku landele. Wa ti kuye, Pindela emva pela: ngi kwenzeni mina?

21 Wa pindela emva, wa tata izinkabi ezinubili, wa zi hlaba, wa peka inyama yazo ngempahla yezinkabi, wa ba pa abantu, ba dhla. Kona wesuka, wa m landela uElija, wa m konza.

ISAHLUKO 20.

**U**BENHADADE inkosi ya seSiria wa hlanganisa amabuto onke ake: a be kona naye amakosi a ngamashumi ama-

tatu nambili, kanye namahashi, nezinqola; wa kupuka wa haqa iSamaria, wa hlalasa kona.

2 Wa tuma izigijimi kuAhabi inkosi yabaIsraeli emuzini, wa ti kuye, U ti uBenhadade,

3 Isiliva lako negolide lako li ngelami; abafazi bako nabantwana bako abahle, ba ngabani.

4 Inkosi yabaIsraeli ya pendula ya ti, Nkosi yami, nkosi yakiti, njengokutyo kwako, ngi ngowako, mina kanye nako konke engi nako.

5 Izigijimi za buya futi, za ti, U ti uBenhadade, Noma ngi tumile kuwe, nga ti, U za kunginika isiliva lako, negolide lako, nabafazi bako, nabantwana bako.

6 Noko ngi ya kutuma izinceku zami kuwena ngomuso nga lesisikati, zi ya kuhlola endhlini yako, na sezindhlini zezinceku zako; ku za kuti, konke okuhle emhlweni ako, zi ya kukutata ngezandhla zazo, zi hambe nako.

7 Njalo ke inkosi yabaIsraeli ya biza onke amalunga ezweni ya ti, A ke ni qapele, ni bone nangu umuntu o funa okubi: ngokuba wa tuma kimi e biza abafazi bami, nabantwana bami, kanye nesiliva lami, negolide lami; mina a ngi m nqabelanga.

8 Abadala bonke nabantu bonke ba ti kuye, Musa ukumlalala, musa ukumvumela.

9 Ngako wa ti kuzo izigijimi zika Benhadade, Yi tyele inkosi yami inkosi ya kiti, Konke owa tumela ngako encekwini yako kuqala ngi ya kukwenza: kodwa leyonto a ngi nako ukuyenza, izigijimi za hamba, za m buyisela impendulo.

10 uBenhadade wa tuma kuye, wa ti, Izitixo ma zenze njalo kimi, na ngapezu kwa loko futi, uma utuli lwa seSamaria lu ya kwanela izandhla zabantu bonke aba ngi landelayo.

11 Inkosi yabaIsraeli ya pendula ya ti, Yityoni, Yena o hloma izikalali zake ma ka nga zikukumezi njengaye o zi bekayo.

12 Kwa ti, uBenhadade wezwa lelizwi, e puza, yena namakosi ake emateneni, wa ti ezincekweni zake, Hlomani. A hloma, a kaka umuzi.

13 Bhekani, kweza umprofeti kuAhabi inkosi yabaIsraeli, wa ti, U ti uJehova, U bonile lempi enkulu kangaka na? Bheka, ngi ya kuinika esandhleni sako namhlanje; u ze wazi ukuba mina ngi nguJehova.

14 uAhabi wa ti, Ngobani na? Wa ti, U ti, uJehova, Ngabalisa bezinduna zamazwe. Wa ti, Ubani o ya kuqala ukulwa? Wa pendula, Uwe.

15 Wa buya wa bala abafana bezinduna zamazwe ba ngamakulu amabili namashumi amatatu nambili: ngasemva kwabo wa bala abantu bonke, bonke abantwana bakaIsraeli, izinkulungwane ezi isikombisa.

16 Ba puma emini. Kodwa uBenhadade wa e puzile wa ze wa dakwa ematenteni, yena namakosi, namakosi a ngamashumi amatatu nambili a m sizayo.

17 Abafana bezinduna zamazwe ba puma kuqala; uBenhadade wa tuma, ba m tyela, ba ti, Nampa abantu be puma eSamaria.

18 Wa ti, Noma be pumile ba nge siyo impi, ba bambeni bezwa; noma be puma be yimpi, ba bambeni bezwa.

19 Kwa puma emuzini, lababafana bezinduna zamazwe kanye nempi e ba landelayo.

20 Ba bulala ku ngulowo umuntu wake: amaSiria a baleka; abIsraeli ba wa laudela: uBenhadade inkosi yamaSiria wa baleka ehashini kaanye nabakweli bamahashi.

21 Inkosi yabaIsraeli ya puma, ya gela amahashi nezinqola, ya bulala amaSiria ngokubulala okukulu.

22 Umprofeti weza enkosini yabaIsraeli, wa ti kuyo, Hamba, u zi qinise, u qonde, u bone loko o kwenzayo; ngokuba umnyaka omunye inkosi yamaSiria i ya kuza i hlasele kuwena.

23 Izinceku zenkosi ya seSiria za ti kuyo, Izitixo zabo zi izitixo zemimango; ngako ba sahlula; kodwa a ke si lwe nabo etafeni, impela si ya ku bahlula.

24 Yenza loku, Susa amakosi onke, ezindaweni zawo, u beke izinduna ezikundhleni zawo.

25 U bale ibuto, njengebuto lelo elacitwayo, ihashi ngehashi, inqola ngenqola; si za kulwa nabo etafeni, impela si ya kubahlula. Wa lalela izwi labo, wenza njalo.

26 Kwa ti mnyaka munye, uBenhadade wa bala amaSiria, wa kupuka wa ya eAfeki ukuhlasele kubaIsraeli.

27 Abantwana baka Israeli ba balwa, ba be kona bonke, ba puma ukuhlasele: abantwana babaIsraeli ba misa amatente abo pambi kwabo njengemihlambi emibili yezimbuzi; kodwa amaSiria a li qeda izwe.

28 Weza umuntu ka Tixo, wa kuluma enkosini yabaIsraeli, wa ti, U ti uJehova, Ngokuba amaSiria a ti, uJehova u nguTixo wemimango, kodwa ka si ye uTixo wezifunda, ngako ngi ya kulinka lonke lelibuto elikulu esandhleni sako, ni ze nazi ukuba mina ngi nguJehova.

29 Ba misa amatente a bekana izinsuku ezi isikombisa. Kwa ti, ngosuku lwesikombisa kwa qala ukulwa: abantwana baka Israeli ba bulala kumaSiria abantu abahamba ngezinyawo aba izinkulungwane ezi ikulu ngosuku lwa lunye.

30 Abaseleyo ba balekela eAfeki emuzini; kona udonga lwa wa pezu kwaba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesikombisa abaseleyo. uBenhadade wa baleka, wa ngena emuzini, endhlini e ngapakati.

31 Izinceku zake za ti kuye, Bheka, se si zwile ukuti amakosi endhlu ka Israeli a ngamakosi a nomusa: Si ya ku nxusa si hambe si ye enkosini yabaIsraeli, si nezintambo emakanda etu, si vate izindwangu zamasaka okalweni lwetu: kungabe yona i ya kukutetelela u pile.

32 Njalo ba vata okalweni indwangu yamasaka, ba beka izintambo emakanda abo, be za enkosini yabaIsraeli, ba ti, Inceku yako uBenhadade u ti, Ngi nxusa, ngi nga fi. Ya buza, ya ti, Imbala yena u sa pilile na? yena u ngumfo wetu.

33 Lamadoda a qapela kahle amazwi ake a wa bamba amazwi masinyane; a ti, Umfo wenu uBenhadade wa ti, Hambani, ni m lete lapa. Njalo uBenhadade wa puma wa ya kuye; wa m kwelisa enqoleni yake.

34 uBenhadade wa ti kuye, Imizi, ubaba a yi tuzayo kuyihlo, ngi ya kuyibuyisa, u ya kuzenzela izindhilela eDamaseku, njengokwenza kuka baba eSamaria. Wa ti uAhabi, Ngi ya kukumkisa ngesivumelwano lesi; njalo wa senza naye isivumelwano, wa m mukisa.

35 Umuntu otize wamadodana abaprofeti wa ti kuye owakelene naye ngezwi lika Jehova, A ku ngi tyaye. Wala lomuntu ukumtyaya.

36 Wa ti kuye, Ngokuba a ku lalelanga izwi lika Jehova, bheka, uma u su sukile kimi, ibubesi li za kukubulala. E se sukile kuye, ibubesi la m fumana, la m bulala.

37 Njalo wa bona omunye umuntu, wa

ti, A ku ngi tyaye. Umuntu wa m tyaya, kwa ingozi.

38 Njalo umprofeti wa suka, wa yi hlalala inkosi endhlehleni, wa zi fihla ngomlota ebusweni bake.

39 Inkosi i si dlhula, wa memeza esonkini: wa ti, Inceku yako ya pumela ekuhlaleni; bhaka, umuntu wa pam buka, wa leta kimi umuntu omunye, wa ti, Londa lomuntu: nxa yena u nga m alela, kona u ya kuma esikundhleni sake nokuba u ya kutela italenta lesiliva.

40 Inceku yako i si sebenza ngalapa na ngalapaya, wa nyamalala. Inkosi yabaIsraeli ya ti kuye, Icala lako lo tewa kanjalo; wena u su tyilo njalo.

41 Wa tyetya, wa hlangua umlota ebusweni bake; inkosi yabaIsraeli ya m bona ukuba u ngomunye wabaprofeti.

42 Wa ti kuye, U ti uJehova, Ngokuba u m yekile a pume esandhleni sako umuntu e nga m misa a qedwe nya, ngako wena u ya kuma esikundhleni sake, nabantu bako ba ya kuba esikundhleni sabantu bake.

43 Inkosi yabaIsraeli ya ya endhlini yayo inhliziyoyayo i dabukile i tukutela, yeza eSamaria.

#### ISAHLUKO 21.

**K**WA ti ngasemva kwa loko, uNaboti umJezreli wa e nensimu yesivini, e ya i kona eJezreli, eduze nendhlu ka Ahabi inkosi ya seSamaria.

2 uAhabi wa kuluma naye uNaboti, wa ti, Ngi pe insimu yako yesivini, ukuba ngi yenza i be insimu yezilimo, ngokuba i seduze nendhlu yami; mina ngi ya kukunika esikundhleni sayo insimu ehle ku na le; noma, u keta loko, ngi ya kukunika imali elingeneyo nayo.

3 uNaboti wa ti kuAhabi, uJehova ma ngi vimbela, ukuba ngi ku nika ifa lami e la vela kobaba bani.

4 uAhabi wa ngena endhlini yake e nenhliziyoyoyane e tukuteleyo ngenxa yezwi a li kulumayo uNaboti umJezreli; ngokuba u be te, A ngi yi ku ku nika ifa lami e la vela kobaba bani. Wa lala pansi embedeni, wa beka emsehleni, wa nqaba ukudhla isinkwa.

5 Kepa weza kuye umkake uJezebeli, e ti, Inhliziyoyoyako i dabukelani na, ukuba u nqaba ukudhla isinkwa?

6 Wa ti kuye, Ngokuba nga kuluna noNaboti umJezreli, nga ti kuye, Ngi

nika insimu yako yesivini; Ngi ya kukunika imali, noma u tyo njalo, ngi ya ku ku nika insimu enye esikundhleni sayo: wa pendula, A ngi yi ku ku nika insimu yami yesivine.

7 uJezebeli umkake wa ti kuye, Wena u ya busa ebusweni wabaIsraeli kalokunje na? vuka, u dhle isinkwa, inhliziyoyoyako ma i tokoze: mina ngi ya ku ku nika insimu yesivine yika Naboti umJezreli.

8 Njaloke wa loba izinewadi egameni lika Ahabi, wa beka kuzo upau lwenkosi, wa tuma lezizincwadi kumalunga nakuzo izikulu eza be zi kona emuzini, lapo uNaboti wa yake kona.

9 Wa loba ezinewadini lezi, wa ti, Memani ukuzila ukudhla, ni m beke uNaboti ngapezulu kwabantu bonke:

10 Ni beke abantu ababili, aba ngamashinga, pambi kwake, ukuniselana ngaye, ngokuti, Wena wa m tuka uTixo, wa yi tuka nenkosi, ni buye ni m pumise, ni m kande ngamatye, a ze a fe.

11 Abantu bomuzi, amalunga naba izikulu abakayo emuzini wa kwabo, benza njengokutyoyoyaku kuka Jezebeli, njengakoloko okubaliweyo ezinewadini a be zi tunele kubona.

12 Ba mema ukuzila kokudhla, ba m beka uNaboti a be ngapezulu kwabantu.

13 Kwa ngena abantu ababili, aba ngamashinga, ba hlala pambi kwake: abantu baka Beliali ba qiniselela ngaye, uNaboti, ebusweni babantu, be ti, uNaboti wa m tuka uTixo, wa yi tuka nenkosi. Njalo ba m pumisa emuzini, ba m kanda ngamatye, wa za wa fa.

14 Njalo ba tuma kuJezebeli, ba ti, uNaboti u kandiwe ngamatye, u file.

15 Kwa ti, uJezebeli lapo e se zwile ku tiwa uNaboti u kandiwe ngamatye, u file, uJezebeli wa ti kuAhabi, Suka, hamba u tate insimu yesivine yika Naboti umJezreli, yona le a nqaba ukuyitengisa ngemali: uNaboti ka seko, u file.

16 Kwa ti, uAhabi e se zwile ku tiwa uNaboti u file, uAhabi wa suka ukuba ehle a ye ensimini ka Naboti umJezreli, ukuyitata.

17 Kweza izwi lika Jehova kuElia umTishebe, la ti,

18 Suka, wehle u m hlanguke uAhabi inkosi yabaIsraeli, u seSamaria: bhaka, u sensimini ka Naboti, u se ye kona ukuyitata.



19 Wo kuluma naye, u ti, U tyo uJehova, Wena u bulele yini, u tatile na? Wo kuluma naye, u ti, U tyo uJehova, Endaweni lapo izinja za kota igazi lika Naboti, izinja zi ya kukota negazi lako, yebo elako.

20 uAhabi wa pendula kuElija, Kanti u si ngi fumene, wena sita sami? Wa pendula, Ngì ku fumene; ngokuba u zitengisele ukusebenza okubi emehlweni ka Jehova.

21 Bheka, ngi ya kutela okubi pezu kwako, ngi ya kuqeda inzalo yako, ngi ya kunquma kubantu baka Ahabi bonke aba nobudoda, naye ovaliwe oseleyo kwa Israeli,

22 Ngì ya kwenza indhlu yako i be njengendhlu ka Jeroboamu indodana ka Nebati, na njengayo indhlu ka Basha indodana ka Ahiya, ngokutukutela wa ngi tukutelisa ngako, ukuze ngi benze abaIsraeli bonakele.

23 Na ngaye uJezabeli wa shumayela uJehova, wa ti, Izinja zi ya kumdhla, uJezabeli odongeni lwa seJezreli.

24 Lowo kwabaka Ahabi o fayò emuzini u ya kudhliwa izinja; naye o fayò eudhle u ya kudhliwa izinyoni ezindzayo.

25 Impela kwa ku ngeko muntu owa fana noAhabi, owa zitengisela emisebenzini emibi emehlweni ka Jehova, waqutya panibili ngaye umkake uJezabeli.

26 Wenza okubi kakulu ngokulandela izitombe, njengokwenza konke kwama-Amori, a wa xotywayo uJehova paubi kwabantwana baka Israeli.

27 Kwa ti, uAhabi e se zwile lamazwi, wa hxebula izingubo zake, wa gqoka indwangu yamasaka, wa zila ukudhla, wa lala ezindwangwini zamasaka, wa hamba kancane.

28 Izwi lika Jehova leza kuElija umTishebe, la ti,

29 Imbala wena u bonile ukuba uAhabì u ya zitobisa pambi kwami na? Loku u tobile pambi kwami, A ngi yi kutela okubi emihleni yake: kodwa emihleni yendodana yake ngi ya kutela okubi endhlini yake.

#### ISAHLUKO 22.

**K**WA dhlula iminyaka emitatu ku ngeko ukulwa pakati kwamaSiria nabaIsraeli.

2 Kwa ti ngomnyaka wesitatu, uJehoshafati inkosi yabaJuda wehla wa ya enkosini yabaIsraeli.

3 Inkosi yabaIsraeli ya ti ezincekwini zake, Ni yazi ukuba iRamote la seGiladi li ngeletu, kepa tina si hlezi nje, a si li kipi esandhlени senkosi ya seSiria?

4 Wa ti kuJehoshafati, U ya vuma yini ukuya nami si hlasele eRamote Giladi? uJehoshafati wa ti enkosini yaba-Israeli, Mina ngi njengawe, abantu bami ba njengabako, amahashi, ami a njengawako.

5 uJehoshafati wa ti enkosini yaba-Israeli, A ke u buze, ngi ya kuncenga izwi lika Jehova namhla.

6 Njalo inkosi yabaIsraeli ya buta abaprofeti, abantu abangamakulu amane, ya ti kubo, Ku fanele yini na ukuba ngi ye ukuhlasele eRamote Giladi, ku fanele a ngi yi na? Ba ti, Kupuka; uJehova u ya kulinikela esandhlени senkosi.

7 uJehoshafati wa ti, Ka seko lapa unprofeti ka Jehova, si buze kuye na?

8 Inkosi yabaIsraeli ya ti kuJehoshafati, Ku sele umuntu munye, uMikaia indodana ka Imla, si nga buza kuJehova ngaye: kodwa mina ngi ya m zonda; ngokuba yena ka profeta okulu-ngileyo ngami, kodwa okubi kupela, uJehoshafati wa ti, Inkosi ma i nga tyo njalo.

9 Inkosi yabaIsraeli ya biza inceku, ya ti, M tyetyise e ze lapa uMikaia indodana ka Imla.

10 Inkosi yabaIsraeli kanye naye uJehoshafati inkosi yabaJuda ba hlala ku ngu lowo esihlalweni sake sobukosi, be zigqokile izingubo zabo, ebaleni ekungeneni kwesango la seSamaria; abaprofeti bonke ba profeta pambi kwabo.

11 uZedekia indodana ka Kenana wa zenzela izimpondo zensimbi: wa ti, U ti uJehova, Ngazo zona lezizimpondo u ya kuquba amaSiria, u ze u wa qede.

12 Bonke abaprofeti ba profeta kanjalo, be ti, Kupuka u ye uRamote, la se-Giladi, wename: uJehova u ya kulinika esandhlени senkosi.

13 Isigijimi e sa be si hambile ukumbiza uMikaia sa kuluma naye, sa ti, Bheka, amazwi abaprofeti a kuluma ngokutokoza enkosini ngomlomo u be munye pa, izwi lako, ngi ya kuncenga ma li be njengezwi labo linye, ma u shumayele okutokozisayo.

14 uMikaia wa ti, U kona uJehova, loko uJehova a za kutyo, ngi ya kushumayela kona.

15 Ngako weza enkosini. Inkosi ya ti

kuye, Mikaia, ku fanele na ukuba si ye si hlasele eRamote Giladi, ku fanele na si nga yi? Wa ti kuyo, Hamba, u tokoze: uJehova u ya kulinika esandhlени senkosi.

16 Inkosi ya ti kuye, Ku dingeka ngi ku tyele izikati ezingaki, ngi ti u nga ngi penduli luto ngapandhile kweqiniso egameni lika Jehova na?

17 Wa ti, Nga bona abaIsraeli bonke be hlakazekile ezintabeni, njengezinvu ezi nge namalusi: uJehova wa ti, Laba a ba nayo inkosi: ma ba pindele bonke ezindhlени zabo ngokutula.

18 Inkosi yabaIsraeli ya ti kuJehoshafati, A ngi tyongo yini kuwe kuti, yena u za ku profeta okubi ngami?

19 Wa ti, Lalela izwi lika Jehova: Nga bona uJehova e hlezi esihlalweni sake sobukosi, nebandhla lonke la sezulwini lema pambi kwake esandhlени sake sokunene na sesandhlени sokohlo.

20 uJehova wa ti, Ubani o ya kumyenga uAhabi, a kupuke a fe eRamote Giladi? Omunye wa pendula ngokuti, nonunye ngokuti.

21 Kwa suka umoya, wema pambi kuka Tixo, wa ti, Mina ngi ya ku m yenga.

22 uJehova wa ti kuye, Ngani na? Wa ti, Ngi ya kupuma, ngi be umoya wamanga emilonyeni yabaprofeti bake bonke. Wa ti, Wo m yenga, futi wo m ahlu: hamba, u kwenze.

23 Ngako, bheka, uJehova u bekile umoya wamanga emilonyeni yabaprofeti bonke bako, uJehova u kulumile okubi ngawe.

24 Kodwa uZedekia indodana ka Kenane wa sondela, wa m tyaya uMikaia esihlatini, wa ti, Umoya ka Jehova wa suka kimi nga kupi ukukuluma nawe?

25 uMikaia wa ti, Bheka, wo bona loku mzukwana, u ya kuhamba u eatye egumbini eli ngapakati.

26 Inkosi yabaIsraeli ya ti, M tate uMikaia, ni m buyisele kuAmona umbusi womuzi, na kuJoasha indodana yenkosi?

27 U ti, I ti inkosi, Ma ni m valele lonifo etilongweni, ni mu pe ukudhla kokuhlupеka namanzi okuhlupеka, ngi ze ngi buye ngokutokoza.

28 uMikaia wa ti, Umu wena u buye ngokutokoza, uJehova ka kulumanga ngami. Wa ti, Lalelani, nina bantu, bonke.

29 Njalo inkosi yabaIsraeli kanye no-

Jehoshafati inkosi yabaJuda ba kupuka ba ya eRamote Giladi.

30 Inkosi yabaIsraeli ya ti kuJehoshafati, Ngi ya ku zifihla, ngi fane nomunye muntu, ngi ngene empini; wena ma u gooke izingubo zako. Inkosi yabaIsraeli ya zifihla njengomunye umuntu, ya ngena empini.

31 Kodwa inkosi yamaSiria ya yala izinduna zezinqola zazo ezi ngamashumi amatatu nambili, ya ti, Musani ukulwa nabancane, nabakulu, kupela ma ni lwe nenkosi yabaIsraeli.

32 Kwa ti uma izinduna zezinqola zi m bona uJehoshafati, za ti, Imbala ka si yo inkosi yabaIsraeli na? ba pambuka ukulwa naye: uJehoshafati wa kaha.

33 Kwa ti, izinduna se zi bonile ukuba kwa ku nge si yo inkosi yabaIsraeli, ba peza ukumlandela.

34 Umuntu otize wa komba uncibityelo wake, wa yi gwaza inkosi yabaIsraeli esifubeni sengubo yayo yensimbi: ngako ya ti kumtyayeli wenqola yayo, Penduka u ngi suse empini; ngokuba ngi kutyaziwe.

35 Ukulwa kwanda ngalolusuku: inkosi ya hlala enqoleni yayo, malungama namaSiria, ya fa kusihlwa: igazi la puma enxebeni la palazeka pakati enqoleni.

36 Kwa menyezwa izwi lokujabula empini yonke se ku swelele, kwa tiwa, Abantu bonke ma ba ye emizini ya kubo, na sezweni la kubo.

37 Ka njalo ya fa inkosi, ya ziswa eSamaria; ba yi mbela inkosi eSamaria.

38 Kona umuntu wa hlanza inqola ecibini la seSamaria, izinja za kota igazi lake endaweni lapo za geza kona izifebe, njengalo izwi lika Jehova ela be li kulunywa uye.

39 Imisebenzi eminye ka Ahabi, nako konke a kwenzileyo, nendhlu yezimpondo zezindhlovu a yakileyo nemizi, yonke a yakileyo a ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

40 uAhabi wa lala nokoko bake: uAhazia indodana yake wa busa esikundhlени sako.

41 uJehoshafati indodana ka Asa wa qala ukubusa abaJuda ngomnyaka wesine ka Ahabi inkosi yabaIsraeli.

42 uJehoshafati wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu eJe-

## II. AMAKOSI, 1.

rusalema. Igama lika nina la li ngu-Azuba indodakazi ka Shili.

43 Wa hamba ezindhleleni zonke zika yise uAza; ka pambukanga kuzona, wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova; kepa izindawo ezipakamileyo za zi nga suswanga: ngokuba abantu ba be sa nikela ba be sa tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo.

44 uJehoshafati wa hlalisana kahle nenkosi yabaIsraeli.

45 Imisebenzi eminye ka Jehoshafati, amandhla ake a wa bonakalisayo, nokulwa kwake, ka ku lotywanganga yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

46 Insalo yamaSodoma, eya sala emihlweni ka yise uAza, wa yi susa ezweni.

47 Kwa ku ngeko inkosi Edomi: induna ya i inkosi kona.

48 uJehoshafati wenza imikumbi ya seTarshishe ukuya eOfere ukulanda igo-

lide, ka yanga kodwa, imikumbi ya fa Ezion-gaba.

49 uAhazia indodana ka Ahabi wa ti kuJehoshafati, Izinceku zami ma zi hamba nezako emikunjini. Kodwa uJehoshafati wa e nga vuma.

50 uJehoshafati wa lala nokoko bake, wa mbelwa noyise: emuzini ka Davida uyise: uJehoram indodana yake wa busa esikundhlweni sake.

51 uAhazia indodana ka Ahabi wa qala ukubusa abaIsraeli eSamaria ngomnyaka weshumi nesikombisa ka Jehoshafati inkosi yabaJuda, wa busa abaIsraeli iminyaka emibili.

52 Wenza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba endhleleni ka yise, na sendhleleni ka nina na sendhleleni ka Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli:

53 Wa konza uBali, wa m dumisa, wa m tukutelisa uJehova uTixo wabaIsraeli, njengokwenza konke kuka yise.

## INCWADI YESIBILI

# YAMAKOSI.

### ISAHLUKO 1.

**A**BAMOABI ba hlubuka kubaIsraeli ngasemva kokufa kuka Ahabi.

2 uAhazia wa wa esibukweni sendhlu yake e pezulu, ya seSamaria, wa e gula: wa zi tuma izigijimi, wa ti kuzo, Hambani ni buze kuBalzebuba utixo wa seEkroni una ngi ya ku sinda ku lesifo na.

3 Kepa ingelosi ka Jehova ya ti kuElija wa seTishebe, Suka u kupuke u zihlangabeze izigijimi zenkosi ya seSamaria u ti kuzo, Ku ngokuba ka muko uTixo kubaIsraeli ukuba ni ya ukubuza kuBalzebuba utixo wa seEkroni na?

4 Ngako u ti uJehova, A u yi kusuka embedeni o kwele kuwo, kodwa u za kufa nokufa. uElija wa muka.

5 Izigijimi za be zi buyele kuye, wa ti kuzo, Se ni buyeleni na?

6 Za ti kuye, Umuntu wa kupuka ukusihlangabeza, wa ti kitina, Hambani, ni buye enkosini e ni tumileyo, ni ti kuyo, U ti uJehova, Ku ngokuba ka muko uTixo kubaIsraeli na ukuba u tu-

me ukubuza kuBalzebuba utixo wa seEkroni na? ngako a u yi kusuka ku lombede o lele kuwo, kodwa u za kufa nokufa.

7 Wa ti kuzo, Ku be kungumuntu onjani owa kupuka ukunihlangabeza, o wa ni tyela lamazwi na?

8 Za m pendula za ti, Be ku ngumuntu o nengubo yoboya, e botywa ngenbande lesikumba okalweni lwake. Wa ti, Ku nguElija wa seTishebe.

9 Kona inkosi ya tuma kuye induna yamashumi amahlanu namashumi amahlanu ayo. Ya kupuka ukuya kuye; bheka, wa e hlezi entabeni pezulu, ya ti kuye, We muntu ka Tixo! i ti inkosi. Yehla.

10 uElija wa pendula wa ti enduneni yamashumi amahlanu, Una ngi ngumuntu ka Tixo, ma wehle umlilo ezulwini, u qede wena namashumi amahlanu ako. Njalo wehla umlilo ezulwini, wa qeda yona namashumi amahlanu ayo.

11 Ya buya ya tuma kuye enye indu-

na yamashumi amahlanu i namashumi amahlanu ayo, ya kuluma ya ti kuEliza, We muntu ka Tixo! i ti inkosi Tye-tya wehle.

12 uEliza wa pendula wa ti kubo, Uma ngi ngumuntu ka Tixo mina, ma wehle umlilo ezulwini u qede wena namashumi amahlanu ako. Njalo umlilo ka Tixo wehla ezulwini, wa tyisa yona namashumi amahlanu ayo.

13 Ya buya ya tuma induna ya wesitatu amashumi amahlanu, i namashumi amahlanu ayo. Induna eyawesitatu amashumi amahlanu ya kupuka yeza ya guqa ngamadolo pambi kuka Eliza ya mnxusa, ya ti kuye, E muntu ka Tixo! Ma ke ku tandeke emehlweni ako, ukupila kwami nokupila kwa lezizinceku zako ezi ngamashumi amahlanu.

14 Bheka, kwehla umlilo ezulwini, wa qeda izinduna zombili zamashumi amahlanu okuqala, namashumi amahlanu azo: kaloku ma ku tandeke emehlweni ako ukupila kwami.

15 Ingelosi ka Jehova ya ti kuEliza, Yehla nayo u nga yesabi. Wa suka, wehla nayo wa ya enkosini.

16 Wa ti kuyo, U ti uJehova, Loku u zi tumile izigijimi ukubuzo kuBalzebu-ba utixo wa seEkroni, a ku ngokuba ka muko uTixo kubaIsraeli yini, ku buzwe ngezwi lake na? ngaloku a u yi kusuka embedeni o lele kuwo, kodwa u za kufa nokufa.

17 Njalo ya fa njengokutyo kuka Jehova okwa be ku shunayelwa uEliza. uJehoram wa busa esikundhleni sake ngomnyaka wesibili ka Jesoramu indodana ka Jehoshafati inkosi yabaJuda: ngokuba wa e nge nandodana.

18 Imisebenzi eminye ka Ahazia a yenzayo, a i lotywe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli na?

### ISAHLUKO 2.

**K**WA ti lapo uJehova e be se za kwenyusa uEliza a ye ezulwini ngesivunguvungu, uEliza noElisha ba suka eGilgali.

2 uEliza wa ti kuElisha, a ku hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tumile eBeteli. uElisha wa ti kuye, u kona uJehova, u kona wena, a ngi yi kukushiya. Njalo behla ba ya eBeteli.

3 Amadodana abaprofeti a seBeteli a puma a ya kuElisha a ti kuye, Imbala u yazi wena, ukuba uJehova u za kusu-

sa inkosi yako enhlokweni yako namhla na? Wa ti, Yebo, ngi yazi; ma ni tule nina.

4 uEliza wa ti kuElisha, A ku hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tumile eJeriko. Wa ti, u kona uJehova, u kona wena, a ngi yi kukushiya. Njalo be suka ba ya eJeriko.

5 Amadodana abaprofeti a seJeriko, eza kuElisha, a ti kuye imbala u yazi ukuba uJehova u za kususa inkosi yako enhlokweni yako namhla na? Wa ti, Yebo, ngi yazi; ma ni tule nina.

6 uEliza wa ti kuye, a ku hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tumile eJordani. Wa ti, u kona uJehova, u kona wena, a ngi yi ku kushiya. Bobabili ba dhlula.

7 Abantu abangamashumi amahlanu kumadodana abaprofeti ba ya, bema nga pesheya: laba babili bema eJordani.

8 uEliza wa tata ingubo yake, wa i songa, wa tyaya amanzi, a hlukana ngalapa na ngalapa, ba wela bobabili esihlabatini.

9 Kwa ti se be welile, uEliza wa ti kuElisha, Cela into engi ya kukwenzela yona, ngi nga ka suswa kuwe. Wa ti uElisha, ma ku pindwe kabili kimina ngomoya wako olungileyo.

10 Wa ti, u celile into elukuni; kepa noko, uma u ngi bona lapo ngi suswa kuwe, ku ya kuba njalo kuwe; uma a u ngi bonanga, a ku yi kuba njalo.

11 Kwa ti be sa hamba njalo, be kuluma, bheka kwa ku kona inqola yomlilo, namahashi omlilo, kwa balulukana; uEliza wenyuka wa ya ezulwini ngesivunguvungu.

12 uElisha wa ku bona, wa memeza wa ti, Baba wami, baba wami, inqola ka Israeli nabamahashi babo! Ka be sa m boni futi: wa zi bamba izingubo zake, wa zi hxebula kabili.

13 Wa tata ingubo ka Eliza e bi wile kuye, wa buya, wa ya wema osebeni lwa seJordani;

14 Wa tata ingubo ka Elisha e bi we kuye, wa tyaya amanzi, e ti, uJehova uTixo ka Eliza u pi na? Wa tyaya amanzi, ahlukana ngalapa na ngalapa: uElisha wa wela.

15 Amadodana abaprofeti a seJeriko ngapesheya, a m bona e kude a ti, umoya ka Eliza u hlezi pezu kuka Elisha. Eza ukumhlangabeza a kotamela puusi.

16 A ti kuye, Bheka, ba kona nezinceku zako abantu aba ngamashumi amahlanu, ba iziqwaga ma ba hambe, ba fune inkosi yako: funa mhlaumbe umoya ka Jehova u m enyusile, u m lahlele entabeni e tile, noma ku semfundeni e tile. Wa ti, Musani ukubatuma.

17 Be m nxusa wa za wa ba nezinhloni, wa ti, Tumani pela. Ba tuma abantu abangamashumi amahlanu; ba u funa izinsuku zantatu, ka ba m fumanga kodwa.

18 Ekubuyeni kwabo kuye (wa be sa hlezi eJeriko,) wa ti kubo, Be ngi nga tyo yini kini, ni nga hambisi?

19 Abantu ba lomuzi ba ti kuElisha, Bheka, indawo yomuzi lowo inhle, njengokuba inkosi yami i ya bona; kodwa amanzi mabi, izwe li putile.

20 Wa ti, Ngi letele isitya ni m beke usaoti kusona. Ba si leta kuye.

21 Wa puma wa ya emtonjeni wamanzu, wa m ponsa kona usaoti, wa ti, U ti uJehova, Ngelapile lamanzi, a ku yi kubuya ku vele kona ukufa nokuputa kwezwe.

22 Kwa ku njalo amanzi a lungisiwe ku ze ku be namhlanje, njengokutyoka Elisha a ku tyoyo.

23 Wenyuka kona wa ya eBeteli: e senyuka ngendhlela, kwa puma emuzini abafana abancinyane ba m hleka, ba ti kuye, Yenyuka, mpandhladini! Yenyuka, mpandhladini!

24 Wa bheka ngasemva kwake, wa ba kangela, wa ba tuka ngegama lika Jehova. Kwa puma ehladini amabere amabili a hazula kubona abantwana aba ngamashumi amane nambili.

25 Wa suka kona, wa ya entabeni eKarmeli, wa suka kona wa buyela eSamaria.

### ISAHLUKO 3.

UJEHORAMU indodana ka Ahabi wa ba inkosi yabaIsraeli eSamaria ngonyaka weshumi nesishiyagalombili ka Jehoshafati inkosi yabaJuda, wa busa iminyaka e ishumi nambili.

2 Wenza okubi emehlweni ka Jehova; kepa kwa ku nge njengoyise na njengonina: wa susa umfanekiso ka Bali a be wenzile uyise.

3 Kepa wa namatela ezonweni zika Jeroboamu indodana ka Nebati owonisa abaIsraeli; a ka pendukanga.

4 uMesha inkosi yabaMoabi wa e fune izimvu eziningi, wa tela enkosini

yabaIsraeli izimvana ezi izinkulungwane ezi ikulu, nezinqama ezi izinkulungwane ezi-ikulu zi noboya bazo.

5 Kwa ti e se file uAhabi, inkosi yabaMoabi ya hlubuka enkosini yabaIsraeli.

6 Nga lesosikati inkosi uJehoram u puma eSamaria, wa ba bala bonke abaIsraeli.

7 Wa ya wa tuma kuJehoshafati inkosi yabaJuda, wa ti, Inkosi yabaMoabi i hlubukile kimi: wena u ya kuhamba nami na, ukuba si hlasele kubaMoabi na? Wa ti, Ngi ya kwenyuka; mina ngi njengawe, abantu bami ba njengabako, amahashi ami a njenga wako.

8 Wa ti, Si ya kwenyuka nga yipi indhlela? Wa ti, Ngendhlela yehlanelaseEdomi.

9 Njalo inkosi yabaIsraeli ya hamba, nenkosi yabaJuda, nenkosi ya seEdomi: ba zekelela ngendhlela izinsuku za zi isikombisa: a be nge ko amanzi ukupuzisa impi, nokupuzisa izinkomo, ezibalandelayo.

10 Inkosi yabaIsraeli ya ti, Maye! uJehova u bizile lamakosi amatatu, ukuwanikela esandhlени sabaMoabi!

11 Wa ti uJehoshafati, A muko lapa umprofeti ka Jehova na, ukuba u buze ngaye kuJehova? Enye inceku yenkosi yabaIsraeli ya pendula, ya ti, Ku kona uElisha indodana ka Shafati, owa tela amanzi ezandhlени zika Elija.

12 uJehoshafati wa ti, Li kuye izwi lika Jehova. Ngako inkosi yabaIsraeli, naye uJehoshafati, nenkosi ya seEdomi behlela, ba ya kuye.

13 uElisha wa ti enkosini yabaIsraeli, Mina ngi namsebenzi muni nawe na? Haniba u ye kubaprofeti baka yihlo, nabaprofeti baka nyoko. Inkosi yabaIsraeli ya ti kuye, Ai, ngokuba uJehova u bizile lawa amakosi amatatu, ukuwanikela esandhlени sabaMoabi.

14 Wa ti uElisha, U hlezi uJehova wamabandhla engi mi pambi kwake, iqiniso, uma ngi be ngi nga boni ubuso buka Jehoshafati inkosi yabaJuda, ngi nge ze ngi ku bheke, ngi nge ze ngi ku qapele.

15 Kepa wo ngi bizela umbeti wogubu. Kwa ti umbeti e sa beta, se za isandhla sika Jehova kuye.

16 Wa ti, U ti uJehova, Yenza lemfunda i be nemigodi ngemigodi.

17 Ngokuba u ti uJehova, A ni yi kubona umoya, a ni yi kubona nemvula:

kepa noko lemfunda i ya kugwala amanzi, ni ya kupuza nina, nezinkomo zenu, nezilwane zenu.

18 Loko ku lula emehlweni ka Jehova; u ya kunikela abaMoabi esandhlени senu futi.

19 Ni ya kucita imizi yonke e biyiwe udonga, nemizi yonke emihle, ni ya kuwisa imiti yonke emihle, ni vimbe yonke imitombo yamanzi, ni zone izindawo zonke ezinhle ngamatye.

20 Kwa ti kusasa, ku sa nikelwa umnikelo, bheka, kwa vela amanzi ngenhlehla ya seEdomi, izwe la be li gwele amanzi.

21 Be zwa abaMoabi bonke, ku tiwa amakosi enyukile ukulwa nabo, ba bizela bonke abantu abahloma izikali, abancinyane nabakulu, be ma emkaulweni.

22 Ba vuka ekuseni, ilanga la kanya emanzini, abaMoabi ba bona amanzi pambi kwabo abomvu njengegazi.

23 Ba ti, Loku ku igazi: impela amakosi a citeka nokuciteka, a bulelene: kaloku ekupangeni baMoabi!

24 Se be fike empini yabaIsraeli, abaIsraeli ba suka, ba tyaya abaMoabi, ba baleka pambi kwabo: ba ngena ezweni labo, be tyaya abaMoabi.

25 Ba cita imizi, na sezindaweni zonke ezinhle la ponsa bonke ku ngulowo itye lake na lowo itye lake ba zi gewalise: ba vinba imitombo yamanzi yonke, ba gaula yonke imiti emihle, ba za ba shiya amatye eKirharetse. Kepa abapansi hamatye ba li zungeza, ba li kanda.

26 Inkosi yabaMoabi i si bonile ukuba ukulwa kwa ku namandhla, ya tata nayo abantu aba ngamakulu a isikombisa aba hlomayo izikali, ba ya nayo, ukufihla ukuze ba fike enkosini ya seEdomi: kodwa bahluleka.

27 Kona ya tata indodana yayo enkulu, eya i za kubusa esikundhlени sayo, ya i nikela i be umnikelo wokutya kona pezu kodonga. Kwa ku kona umsi-ndo omkulu kubaIsraeli; ba suka kuyo inkosi ba buyela ezweni lakubo.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti umfazi o tize ebfazini bamadodana abaprofeti, wa kala kuElisha, wa ti, Inceku yako, indoda yami i si file; nawe u yazi ukuba inceku yako ya m esaba uJehova: u fikile lo o necala kuye, ukutata amadodana ami amabili, a be izigqili zake.

2 uElisha wa ti kuye, Ngi ya ku kwenzela ntoni na? Ngi tyele, u nani endhlini yako na? Wa ti, Inceku yako a i naluto endhlini, upiso lwamafuta kupela.

3 Wa ti, Hamba, u ye u boleke izitya kubo bonke abakelene nawe, izitya ezi-ze; zi boleke zi be ziningi.

4 U ngena endhlini, u zivalele pakati, wena namadodana ako odwa, u tele ezityeni zonke lezo, u zi beke zona ezi gwele.

5 Njalo wa suka, wa zivalela pakati, yena namadodana ake odwa; lawa a ni letela izitya, naye wa tela kuzo.

6 Kwa ti, izitya se zi gwele, wa ti endodaneni yake, Ngi nike futi isitya esinye. Ya ti kuye, Isitya ka si se ko. Amafuta a nqamukake.

7 We za, wa m tyela umuntu ka Tixo. Wa ti, Hamba, u tengise ngamafuta, u kipe icala lako, u zondhle wena nabantwana bako ngaseleyo.

8 Kwa ti ngosuku olutile, uElisha wa dhlula, wa ya eShunemu; wa e kona umfazi o isikulu, wa m cinezela ukuba a dhle ukudhla. Kwa ti njalo ekudhlu-leni kwake, wa pambukela kona, ukuba a dhle ukudhla.

9 Wa ti kuyo indoda yake, Bheka, ngi ya bona ukuba lomuntu ka Tixo o dhlula kiti njalo u ingewele.

10 Ma senze igumbi elineane ngasodolngeni lwendhlu, si m bekele kona umbede, netebula, nesihlalo, noti lwesibane; kuza kuti, ekufikeni kwake kitina a pambukele kona.

11 Kwa ti ngosuku, we za kona wa pambukela egumbini lelo, wa lala kona.

12 Wa ti kuGehazi inceku yake, M bize lomShunemu Wa m biza, wema pambi kwake.

13 Wa ti kuye, A ku ti kuyena, Bheka, wena u si sizile ngokusiza konke loko, u ngenzelwa ntoni na? U ya tanda ukukulunyelwa, noma ku senkosini, noma ku senduneni yempi? Wa ti, Ngi hlezi mina kwabakiti.

14 Wa ti, Po, a ngenzela ntoni na? uGehazi wa ti, Ka namntwana, nendoda yake i si ndala.

15 Wa ti, M bize, wa m biza, wema emnyango.

16 Wa ti, Ngesikati esimisiweyo, ngokutwasa komnyaka, u ya kusingata indodana yako. Wa ti, Ai, nkosi yami, muntu ka Tixo, u nga kulumi amanga encekukazini yako.

## II. AMAKOSI, 4.

17 Umfazi wa kulelwa, wa zala indodana ngesikati esimisiweyo ekutwaseni komnyaka, njengokutyo kuka Elisha kuye.

18 Lapo umntwana wa e se kulile, kwa ti ngosuku olu tize, wa puma wa ya kuyise kubavuni.

19 Wa ti kuyise, Wo! Ikanda lami! Wo! Ikanda lami! Wa ti uyise encekwini, M tate, u m yise kunina.

20 Wa m tata, wa m yisa kunina, wa m singata kwa za kwa semini, wa fa.

21 Wenyuka, wa m beka embedeni womuntu ka Tixo, wa m valela pakati, wa hamba.

22 Wa biza indoda yake, wa ti, A ke u ngi tumele inceku nembongolo, ngi gijime, ngi ye kumuntu ka Tixo, ngi buye ngi buye.

23 Ya ti, U yelani kuye namhla na? A silo usuku lokutwasa kwenyanga, a silo nesabata. Wa ti, Ku ya kuba kuhle.

24 Kona wa bopela imbongolo, wa ti encekwini yake, Tyaya, u hambé; u nga ngi libazisi ukuhamba, uma ngi nga tyo-ngo njalo.

25 Wa ya, wa fika kumuntu ka Tixo entabeni eKarmeli. Kwa ti, umuntu ka Tixo e se e m bona e kude, wa ti kuGehazi inceku yake, Bheka, nanguya lo owa seShunemu.

26 Gijima u m hlangubeze, u ti kuye, U hlezi kahle na? Indoda yako i hlezi kahle na? Umntwana u hlezi kahle na? Wa ti, Si hlezi kahle.

27 Se e fikile kumuntu ka Tixo entabeni, wa bamba izinyawo zake: kodwa uGehazi wa sondela ukumxotyá. Wa ti umuntu ka Tixo, U m yeke, ngokuba inhliziyó yake i ya hlupeka, kepa uJehova u ku fihlile kimi, ka ngi tyelanga.

28 Wa ti, A ngi celanga indodana enkosiini yami na? be ngi nga tyo, U nga ngi kohlisi?

29 Wa ti uElisha kuGehazi, Bopisisa izinkalo zako, u pate udondolo lwami esandhlani sako, u hambé: una u hlangana nomuntu, u nga m bingeleli: noma umuntu e ku bingelela, u nga vumi: u ye u beke udondolo lwami ebusweni bomntwana.

30 Unina womntwana wa ti, U kona uJehova, u kona wena, A ngi yi kuku-shiya. Wa suka wa m landela.

31 uGehazi wa dhlula pambi kwabo, wa lu beka udondolo ebusweni bomntwana; kepa kwa ku nge ko ukuku-

luma nokuzwa, ngako wa buya wa ya ukunhlangabeza, wa bika kuye wa ti, Ka vukile umntwana.

32 uElisha wa ngena endhlini, bheka, umntwana u be se file, e lele embedeni wake.

33 Wa ngena, wa ba valela bobabili pakati, wa kuleka kuJehova.

34 Wa ya, wa zeleka kumntwana, wa beka umlomo wake pezu komlomo wake, namehlo ake pezu kwamehlo ake, nezandhla zake pezu kwezandhla zake: wa zelula pezu komntwana; umzimba womntwana wa fudumala.

35 Wa buya, wa hambahamba kona endhlini: wa ya wa zeleka pezu kwake: umntwana wa tinula kakombisa, umntwana wa qabuka.

36 Wa biza uGehazi, wa ti M bize lo owa seShunemu. Wa ya, wa m biza. Nxa wa e se fikile kuye, wa ti, I tate indodana yako.

37 Wa ngena, wa guqa ezinyaweni zake, wa ti inbo ngobuso emhlabatini, wa tata indodana yake, wa puma.

38 uElisha wa buya wa eGiGgali: ya i kona indhlala ezweni; amadodana abaprofeti a be hlezi pambi kwake: wa ti encekwini yake, Beka imbiza enkulu, u pekele amadodana abaprofeti ukudhla.

39 Kwa suka umuntu wa ya endhle ukuka imifino; wa fumana umuti wa sendhle; wa wu ka, wenza umshuqulo engutyeni yake, weza wa u tela embizeni yokudhla, ngokuba ba be nga wazi.

40 Njalo ba ba pakela abantu ba dhle. Kwa ti be sa dhla ukudhla, ba kala, ba ti, We muntu ka Tixo, ku kona ukufa embizeni! Ba be nga se nako ukudhla.

41 Kona wa ti, Zisani impupu, wa i tela embizeni; wa ti, Ba pakele abantu, ba dhle. Kwa dumala okubi okupakati embizeni.

42 Kwe za umuntu e vela eBalshalisha, wa m letela umuntu ka Tixo ukudhla kolibo, izinkwa zebarle ezi ngamashumi amabili, nezitelo zamasimu emhlabatini wake. Wa ti, Ba pe abantu, ba dhle.

43 Wa ti umkonzi wake, Konje ngi za kubekelani loku pambi kwabantu aba ikulu na? Wa pinda uElisha wa ti, Ba pe abantu, ba dhle: ngokuba uJehova u tyo ngokuti, Ba za kudhla, ba ku shiye.

44 Njaloke wa ku beka pambi kwabo, ba dhla, ba ku shiya, njengokutyo kuka Jehova.

## ISAHLUKO 5.

**K**WA ti uNamana induna yempi yenkosi ya seSiria, wa e umuntu owatandeka emehlweni enkosi yake, e igugu, ngokuba uJehova wa be e nikile ngaye ukwahlula kumaSiria: futi wa be umuntu okuteleyo, kepa wa e ilepero.

2 AmaSiria a be se punile ngezigaba, a buya ezweni labaIsraeli nentombazana encinyane, yona ya i incekekazi yomka Namana.

3 Ya ti kuyo inkosikazi yayo, Sengati inkosi yami i nga ya kumprofeti o se-Sanaria! ngoba yena nga e yi polisile kubulepero bayo.

4 Umuntu o tize wa ngena, wa bika enkosini yake, wa ti, Intombazana ya sezweni labaIsraeli i ti loko na loko.

5 Inkosi ya seSiria ya ti, Hamba, ngi ya kutumela inewadi enkosini yaba-Israeli. Wa hamba, wa tata esandhlени sake amatalenta a ishumi esiliva, nezinhlamvu zegolide ezi izinkulungwane ezi isitupa, nezingubo zokuguqula ezi ishumi.

6 Wa yisa inewadi enkosini yaba-Israeli, e ti, A ku bheke! Lapo lenewadi i si fikile kuwe, ngi tumile kuwe uNamana inceku yami, ukuba u m polise kubulepero bake.

7 Kwa ti, inkosi yabaIsraeli i si fundile inewadi, ya hxebula izingubo zayo, ya ti, Ngi nguTixo yini mina, ukubulala nokupilisa, ukuba lo a ngi tumele ngi ye ngi polise umuntu kubulepero bake na? A ke ni qonde, ni bone, ngokuba u ya funa ituba lokuxabana nami.

8 Kwa ti, uElisha umuntu ka Tixo e se zwile ukuba inkosi yabaIsraeli ya hxebula izingubo zayo, wa tuma enkosini, wa ti, U hxebulelani izingubo zako? ma ke ze kimi, kona e ya kuzwa ukuba ku kona umprofeti kubaIsraeli.

9 Weza uNamana namahashi ake, ne-nqola yake, wema emnyango wendhlu ka Elisha.

10 uElisha wa tuma kuye isigijimi, wa ti, Hamba u geze kakombisa eJordani, ku ya kuti inyama yako, i buye u hlambuluke.

11 Kepa uNamana wa tukutela, wa suka, wa ti, Bheka, impela nga ngi ti, U za kupuma e ze kimi, e me, a kuleke egameni lika Jehova uTixo wake, e beke isandhla sake ku lendawo, a polise ubulepero.

12 uAbana noFarpara, imifula ya se-

Damaseku, a i si yo imifula emihle kunawo wonke amanzi a kwaIsraeli na? Po! ngi nge geze kuyo, ngi hlambuluke na? Njalo wa penduka wa hamba, e tukutele.

13 Iziuceku zaba za sondela, za kuluma naye, za ti, Baka, uma nxa umprofeti e be tyilo kuwe into enkulu, u bu nga yenzile na? Kulile kakulu loku e tyo kuwe, Geza u hlambuluke.

14 Kona wehla, wa ziewilisa eJordani kakombisa, njengokutyo komuntu ka Tixo: Inyama yake ya buya, ya ba nje-ngeNyama yomntwana omncinyane, wa hlambuluka.

15 Wa pindela kumuntu ka Tixo, yena nabantu bake bonke, we za, wema, pambu kwake, wa ti, Bheka, manje se ngi yazi ukuba ka muko uTixo emhlabeni wonke ngapandhle kwake wabaIsraeli: A ke wamkele umbongo enekwini yako.

16 Kepa wa ti, U kona uJehova, engi mi pambu kwake, a ngi yi kwamukela luto. Wa m nxusa amkele into; wa nqaba kodwa.

17 Wa ti uNamana, Ma ku nikwe inceku yako umhlabati, umtwalo wezim-bongolo ezimbili na? ngokuba inceku yako a i sa yi kupinda ukunikela otixo abanye iminikelo yokutya nomhlabele, yo m nikela uJehova kupela.

18 Ku leyonto uJehova ma ka tetelele inceku yako, ekuzeni kwenkosi yami endhlini ka Rimoni ukudumisa kona, i neike esandhlени sami, ngi kotamele endhlini ka Rimoni: lapo ngi kotamele endhlini ka Rimoni uJehova ma ka tetelele inceku yako lento.

19 Wa ti kuye, Hamba kahle; wa suka kuye ikatya.

20 Kepa uGehazi inceku ka Elisha, umuntu ka Tixo, wa ti, Bheka, inkosi yami i m yekile uNamana, lowo wa se-Siria, loku e nga yamkelanga a ku letayo. U kona uJehova, ngi ya kugijima ngi m landele, ngi cele into kuye.

21 Njalo uGehazi wa m landela uNamana. Uma nxa uNamana wa m bona e gijima emva kwake, wehlika enqoleni ukumhlangabeza, wa ti, Ni hlezi kahle na?

22 Wa ti, Si hlezi kahle, Inkosi yami i ngi tumile, i ti, Bheka, manjenje ku fikile kwami izinsizwa ezimbili kumadodana abaprofeti, zi vela entabeni ya seFrami: A ku zi nike italenta li be linye lesiliva, nezingubo zokuguqula ezimbili.



23 Wa ti uNamana, Vuma, yankele amatalenta amabili. Wa m nxusa, wa wa bopa amatalenta amabili emihlantini kanye nokugququla kwezingubo, wa ku nika ezincekwini zake ezimbili, za ku twala pambi kwake.

24 E se fikile emangweni, wa ku tata esandhleni sazo, wa ku beka endhlini: wa mukisa abantu, ba hamba.

25 Wa ngena wema pambi kwenkosi yake. uElisha wa ti kuye, U velapi, Gehazi? Wa ti, Inceku yako ka i yanga ndawo.

26 Wa ti kuye, A i yanga inhliziyo yami lapo lomuntu wa penduka ngase-nqoleni yake ukukuhlangabeza na? Ku isikati yini manje sokwamkela imali, nokwamkela izingubo, namasimu omnqumo, namasimu evine, nezimvu, nezinkabi, nezinceku zesilisa nesifazana?

27 Ubulepero buka Namana, bu ya kunamatela kuwena, na kuyo inzalo yako, ku ze ku be nini! uGehazi wa puma ebusweni bake e ilepero enhlope ujengongqogqwane.

#### ISAHLUKO 6.

**A** MADODANA abaprofeti a ti kuElisha, Bheka, indawo lapa si hlezi kona nawe incinyane, ka i si lingene.

2 A ke si ye eJordani, si zitatele, si zi twalele kona sonke izingongolo, ukuze si zakele kona indawo yokuhlala. Wa ti, Hambanike.

3 Omunye wa ti, Ma ku vume u hambe nezinceku zako. Wa ti, Ngi ya kuhamba.

4 Njalo wa ya nabo. Ba fika eJordani, ba gaula kona ininti.

5 Kwa ti omunye e sa gaula ugongolo, insimbi yake ya wa emanzini: wa kala, wa ti, Maye, Nkosi! Be i bolekiwe.

6 Wa ti umuntu ka Tixo, I wepi na? Wa m bonisa indawo. uElisha wa gaula uti, wa lu ponsa kona, insimbi ya ntanta.

7 Wa ti, I tate. Wolula isandhla sake, wa i tata.

8 Nga lesosikati kwa suka inkosi ya seSiria ya lwa nabaIsraeli, yenza icebo nezinceku zake, ya ti, Impi yami i ya kungeniswa endaweni e tize ne tize.

9 Umuntu ka Tixo wa tuma enkosini yabaIsraeli, wa ti, Qapela u nga dhluli endaweni e tile; ngokuba amaSiria a sehlike kona.

10 Inkosi yabaIsraeli ya tuma ku leyondawo, a konjiswa yona, umuntu ka

Tixo, wa i pepisa ngayo, ya zisindisa kona, ku nge kanye, ku nge kabili.

11 Inhliziyo yenkosi ya seSiria ya bi netwetwe ngenxa ya leyonto: ya biza izinceku zayo, ya ti kuzo, A ni yi kungityela. Ubani wa kiti, o vuse inkosi yabaIsraeli na?

12 Enye inceku yake ya ti, Ai, nkosi yami, inkosi ya kiti, kodwa uElisha umprofeti o kona kwabaIsraeli, u ya i bonisa inkosi yabaIsraeli amazwi o wa kulumayo, u segumbini lako lokulala.

13 Ya ti, Hambani ni ye ni bone lapo e hlezi kona, ukuba ngi tume ngi m bambe. Wa tyelwa ukuti, U seDotani.

14 Ya tuma kona amahashi nezingqola, nempi enkulu: ya fika ebusuku, ya haqa umuzi.

15 Ya vuka inceku yomuntu ka Tixo ekuseni ya puma. bheka umuzi wa haqwa impi, namahashi nezingqola. Inceku yake ya ti kuye, Maye, nkosi yami! Si ya kwenze njani na?

16 Wa ti, U ngesabi: ngokuba abantu aba nati baningi kunaba nabo.

17 uElisha wa kuleka, wa ti, E Jehova, ngi ya kunxusa, wambule amehlo ake a bone. uJehova wambula amehlo enceku, ya bona; bheka, intaba ya i gewele ngamahashi, nezingqola zomlilo, zi m haqa uElisha.

18 Behlele kuye; uElisha wa kuleka kuJehova, wa ti, Ba tyaye lababantu ngobumpumpute, ngi ya kuncenga. Wa ba tyaya ngobumpumpute, njengokutyo kuka Elisha.

19 uElisha wa ti kubo, Le a yi siyo indhlela, lo a siwo umuzi, ngi landeleni, ngi ya kuniyisa endaweni eni i funayo. Wa ba yisa eSamaria.

20 Kwa ti se be fikile eSamaria, uElisha wa ti, Jehova, wambule amehlo a lababantu, ba bone. uJehova wambula amehlo abo; bheka, se be pakati kwe-Samaria.

21 I si ba bona, ya ti inkosi yaba-Israeli kuElisha, Baba, ngi ba tyaye na? Ngi ba tyaye na?

22 Wa ti, U nga ba tyayi. U nga ba tyaya yini labo u su bahlulile ngenkamba yako, na ngomeibityelo wako? Ba bekele ukudhla namanzi, ba dhle, ba puze, ba ye enkosini yabo.

23 Wa benzela idili elikulu. Ba dhla, ba puza, kona wa ba mukisa, ba ya enkosini yabo. Njaloke amabandhla a seSiria, ka be sa pinda eza ezweni laba-Israeli.

24 Kwa ti ngaseniva kwaloko uBenhadade inkosi ya seSiria wa hlanganisa impi yonke yake, wa kupuka wa haqa iSamaria.

25 Kwa ku kona indhlala enkulu eSamaria: ba li haqa, kwa za kwa ti nekan-da lembongolo la tengwa ngamashekali esiliva a ngamashuni a shiyagalombili, neqata lesine lesigaxa sonswani wejuba, kwa tengwa ngamashekali a isihlanu esiliva.

26 Kwa ti inkosi yabaIsraeli i dhlula pezu kodonga, wa kala unfazi kuyo, wa ti, Ngi size, nkosi yami, nkosi ya kiti.

27 Ya ti, Uma uJehova e nga ku siza-nga, mina ngi nga ku siza ngani na? ngamabele na ngewaini?

28 Inkosi ya ti kuye, U nani na? Wa ti, Lomfazi wa ti kimi, I kipe indodana yako, si i dhle namhla, ngomso si ya kudhla indodana yami.

29 Sa i peka indodana yami, sa i dhla, nga ngomuso mina nga ti kuye, I kipe indodana yako si i dhle: kepa wa be i tukusile indodana yake.

30 Kwa ti, inkosi i si zwile lamazwi omfazi, ya dabula izingubo zayo, ya dhlula pezu kodonga; abantu ba i buka, bheka, ya i nendwangu yamasaka ngasenzimbeni kuyo.

31 Ya ti, uTixo enze njalo kimi ele-kele kanjalo, uma ikanda lika Elisha, indodana ka Shafati li ya kuhlala kuye namhlanje.

32 uElisha wa e hlezi endhlini yake, amalunga a e hlezi naye: inkosi ya tumama umuntu pambi kwayo; kepa isigijimi si nga ka fiki kuye, uElisha, wa ti kumalunga, Ni ya bona ukuba lendodana yombulali i tumile ukunquma ikanda lami na? Kangelani ekufikeni kwesigijimi. Gwanxani emnyango, ni si bambе isigijimi ngasemnyango: izigqi zezinyawo zenkosi yaso, ka zi ko yini ngasemva kwaso na?

33 E sa kuluma nabo, isigijimi sa fika kuye: wa ti, Bhekali lolusizi lu vela kuJehova: ngi nga m hlalalani uJehova futi na?

ISAHLUKO 7.

**U**ELISHA wa ti, Yizwani izwi lika Jehova. U ti uJehova, Ngomso ngu lesisikati isilinganiso sempupu, si ya ku tengiswa ngeshekeli, nezilinganiso ezimbili zebarle ngeshekeli esangweni la seSamaria.

2 Kwa ti, induna inkosi eya bamebelela

esandhlени sayo, ya pendula kumuntu ka Tixo, ya ti, Bheka, uma uJehova e zenze izituba ezulwini, ku nga ba njalo na? Wa ti, Wena u ya kukubona ngamehlo ako, kepa a ku yi kudhla kona.

3 Kwa ku kona esangweni lomuzi abantu abane, amalepero. A kulumisana a ti, Si hlalalani lapa, si ze si fe na?

4 Uma si ti, Si ya kungena emuzini, i kona indhlala emuzini, si ya kufa kona; Noma si hlezi lapa, si ya kufa. A ke si suke tina, si ye empini amaSiria: Uma a vume si pile, si ya kupila; uma e si bulala, si ya kufa.

5 Ngako ba suka ku swelela ba ya ekamu lamaSiria; kwa ku ngeko muntu kona.

6 Ngokuba iNkosi i bi zwisile impi yamaSiria udumo lwezinqola, nodumo lwamashashi, udumo lwempi enkulu, ba kulumisana ba ti, Wo, inkosi yabaIsraeli i tole amakosi abaHiti, namakosi a sEgipite, ukuba a hlasele kitina.

7 Ba suka, ba baleka ku swelela, ba shiya amatente abo, namashashi abo, nezimbongolo zabo, ikamu li njengokuma kwalo, ba baleka ukuba ba sinde.

8 Lawa amalepero a ya ekegeneni kwekamu, a ngena etenteni, a dhla, a puza, a susa kona isiliva, negolide, nezingubo a ya a ku tukusa, a buya, a ngena etenteni elinye, a susa okunye, a ya a ku tukusa.

9 A kulumisana, a ti, Ka ku lungile ukwenza kwetu: namhla ku usuku lwezindaba ezitokozisayo, tina si ya tula kodwa: uma si libala ku ze ku se, si ya kutola icala: a ke si ze belu, ma si pindele emva si ye, si bike enkosini.

10 Njalo a suka, a ya, a biza umlindi wesango lomuzi; a m tyela a ti, Sa fika ekamu lamaSiria, bheka, kwa ku ngeko muntu, nazwi lomuntu, kodwa a e kona amashashi a botyiwe, nezimbongolo zi botyiwe, amatenta a njengokuma kwawo kupela.

11 Wa biza abalindi bamasango, ba bika lendaba enkosini.

12 Inkosi ya suka ebusuku, ya ti ezineekwini zayo, Se ngi za ku ni tyela loko okwenziwe amaSiria kitina. A yazi ukuba si hambile; ngako a sukile ekamu, a catyile, a ti, Ba ya kupuma emuzini, kona si ya kubalamba be zwa, si ngene emuzini.

13 Ya pendula enye ineeke yayo ya ti, Ma ba tate amashashi amahlanu, a seleyo

## II. AMAKOSI, 5.

emuzini; (bheka a seleyo kona, a lingana nesixuku sonke sabaIsraeli, ngi ti, a njengesixuku sabaIsraeli sonke esi pili-leyo,) a ke si tume, si bone.

14 Kona ba tata amahashi amane ezinqola, inkosi ya tuma izigijimi ukulandela impi yamaSiria, ya ti, Hambani ni bone.

15 Za i landela za za za fika eJordani: bheka, indhlela yonke i bi kitiziwe ngezizigubo, nezitya za be zi tyingiwe amaSiria ekubalekeni kwawo. Izigijimi za buya, za bika enkosini.

16 Abantu ba puma, ba panga ikamu lamaSiria. Njalo isilinganiso sempupu sa tengwa ngeshekeli lesiliva, nezilinganiso ezimbili zebarle za tengwa ngeshekeli lesiliva, njengokutyo kuka Jehova.

17 Inkosi ya misa induna eya bambelela esandhleni sayo, ukuba i linde isango: abantu ba i nyatela esangweni, ya fa, njengokutyo komuntu ka Tixo, owa tyo ekwehleni kwenkosi ukuya kuye.

18 Kwa ba njengokutyo komuntu ka Tixo enkosini, owa ti, Izilinganiso ezimbili zebarle ngeshekeli, nesilinganiso sempupu ngeshekeli, ku ya kuba ngomuso nga lesisikati esangweni la seSamarina.

19 Lenduna ya pendula kumuntu ka Tixo, ya ti, Bheka, uma uJehova a zenza izituba ezulwini, ku nga ba njalo na? Wa ti uElisha, Bheka, wena u ya kukubona ngamehlo ako, kepa a u yi kudhla kona.

20 Kwa ba njalo kuyo; abantu ba i nyatela esangweni, ya fa.

### ISAHLUKO 8.

**W**A shumayela uElisha kulomfazi, indodana yake a i vusayo i file, wa ti, Suka u hambe wena nendhlu yako, u hlale lapo u nga hlala kona; ngokuba uJehova u se menezile ukuti, Ma i be kona indhlala; njalo i za kuba kona ezweni iminyaka e isikombisa.

2 Wa suka lomfazi, wenza njengokutyo komuntu ka Tixo, wa hamba yena nendhlu yake, wa hlala ezweni lamaFilisti iminyaka e isikombisa.

3 Kwa ti, ekupeleni kweminyaka e isikombisa, umfazi wa buya ezweni lamaFilisti: wa puma wa ya ukunxusa enkosini, ngenxa yendhlu yake, na ngenxa yezwe lake.

4 Inkosi ya kuluma noGehazi ineketu yomuntu ka Tixo, ya ti, A ku ngi tyele zonke izinto ezinkulu a zenzayo uElisha.

5 Kwa ti, e sa yi tyela inkosi ukuba wa be e vusile umuntu ofileyo, bheka, lomfazi indodana yake a be i vusile ekufeni, wa nxusa enkosini ngenxa yendhlu yake, na ngenxa yezwe lake. uGehazi wa ti, Nkosi yami, nkosi ya kiti, nangu lomfazi, nansi nendodana yake, uElisha a i vusayo ekufeni.

6 Kwa ti lapo inkosi ya m buza umfazi, wa i tyela, kona inkosi ya m misela induna e tile, ya ti, Buyisa konke okwake, nokwawunwa emasimini ake, iloku wa suka ezweni, ku ze ku be nanhla.

7 uElisha we za eDamaseku; inkosi ya seSiria uBenhadade ya gula; ya tye-lwa ukuti, Umuntu ka Tixo u fikile kona lapa.

8 Inkosi ya ti kuHazaeli, Hamba nesipo esandhleni sako, u ye u m hlangebeze lomuntu ka Tixo u buze kuJehova ngaye, u ti, Ngi ya kusinda ku lesisifo na?

9 Njalo uHazaeli wa ya ukumhlangabeza e hamba nesipo sako konke okuhle kwa seDamaseku, imitwalo yamakamelo a ngamashumi amane, we za wema pambi kuka Elisha, wa ti, Indodana yako uBenhadade inkosi ya seSiria u ngi tumile kuwe, u ti, Ngi ya kusinda ku lesisifo na?

10 uElisha wa ti kuye, Hamba u ti kuye, U nga sinda kambe, kepa uJehova u ngi bonisile ukuba u za kufa nokufa.

11 Wa m gqolozela, kwa za kwa pela amandhla: umuntu ka Tixo wa lila.

12 uHazaeli wa ti, Inkosi yami i lilelani na? Wa ti, Ngokuba ngi yazi usizo za kulwenza kuyo inzalo ka Israeli. Imizi yayo u ya kuityisa ngomlilo, izinsizwa zayo u ya kuzibulala ngezinkemba, izingane zayo u ya kuziphloza, abafazi bayo abamitiyo, u ya kubaqaga.

13 Wa ti uHazaeli, Injani ineketu yako, ukuze yenze lento enkulu na? Wa ti uElisha, uJehova u ngi bonisile ukuba u za kuba inkosi wena eSiria.

14 Njalo wa suka kuElisha, we za enkosini yake; ya ti kuye, uElisha wa tini kuwe na? Wa ti kimi, u ya kusinda.

15 Kwa ti ngangomso, wa tata indwangu wa i cwilisa emanzini, wa i mboza ubuso bayo, ya fa: uHazaeli wa ba inkosi esikundhleni sayo.

16 Ngomnyaka wesihlanu ka Joram u indodana ka Ahabi inkosi yabaIsraeli, uJehoshafati e inkosi yabaJuda, uJeho-

ramu indodana ka Jehoshafati inkosi yabaJuda wa ba inkosi.

17 Wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili: wa busa iminyaka e isishiyagalombili eJerusalem.

18 Wa fuza amakosi abaIsraeli, njengendhlu ka Ahabi: ngokuba unikake wa e indodakazi ka Ahabi; wenza kabi emehlweni ka Jehova.

19 Kepa uJehova wa e nga tandi ukubacita abaJuda, ngenxa ka Davida incekut yake, njengokutyo kwake kuye ngokuti u za kumnika ukukanya, yena nenzalo yake, ku ze ku be njalo.

20 Emihleni yake amaEdomi a hlubuka kubaJuda, a zimisela inkosi.

21 uJoram u wa ya eZaira, nazo izinqola zake zonke: wa suka ebusuku, wa wa bulala amaEdomi a mzunguzayo, nezinduna zezinqola: abantu ba baleka, ba ya ematenteni abo.

22 Kepa amaEdomi a hlubukile kubaJuda, ku ze ku be namhlanje. Kona nga lesosikati ba hlubuka aba seSiria futi.

23 Imisebenzi eminye ka Joram, nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda na?

24 uJoram wa lala nokoko bake, wa mbelwa nokoko bake emuzini ka Davida; uAhazia indodana yake wa ba inkosi esikundhloleni sake.

25 Ngomnyaka weshumi nambili ka Joram indodana ka Ahabi inkosi yabaIsraeli, uAhazia indodana ka Jehoram inkosi yabaJuda wa ba inkosi.

26 Ekuqaleni kwake ukubusa uAhazia wa e neminyaka engamashumi amabili; wa busa umnyaka wa ba munye eJerusalem. Igama lika nina la li ngu-Atalia indodakazi ka Omri, inkosi yaba-Israel.

27 Wa fuza indhlu ka Ahabi wenza okubi emehlweni ka Jehova njengayo indhlu ka Ahabi, ngokuba wa e umkwenya wendhlu ka Ahabi.

28 Wa ya kanye noJoram indodana ka Ahabi ukuhlasela kuHazaeli inkosi ya seSiria eRamote Giladi; amaSiria a m kubaza uJoram.

29 Inkosi uJoram u buya ukuba elatywe eJezreli amanxeba ake, loku wa be kutyaziwe ngamaSiria eRama, ekulweni kwake noHazaeli inkosi ya seSiria. uAhazia indodana ka Jehoram inkosi yabaJuda wehla wa ya eJezreli ukumbo-

na uJoram indodana ka Ahabi, ngokuba wa e gula.

ISAHLUKO 9.

**U**JELISHA umprofeti wa biza omunye wamadodana abaprofeti, wa ti kuye, Bopisisa izinkalo zako, u pate lomfuma wamafuta esandhloleni sako, u ye eRamote Giladi.

2 Ekufikeni kwako kona, u ya ku m funa uJeh u indodana ka Jehoshafati indodana ka Nimshi, u ngene, u m susse kubafo wabo, u m yise endhlini e pakati;

3 U ze u tate umfuma wamafuta, u wa tele ekanda lake, u ti, U tyo uJehova, Ngi ku geobile u be inkosi yabaIsraeli. U vule umnyango, u baleke, u nga libali.

4 Leyonsizwa, insizwa e umprofeti, ya ya eRamote Giladi.

5 Ekufikeni kwayo kona, izinduna zempi za zi hlezi; ya ti, E nkosi, ngi nendaba kuwe, uJeh u wa ti, Ku yi pi na pakati kwetu? Ya ti, Kuwena, nkosi!

6 Ya suka ya ngena endhlini; ya tela amafuta ekanda lake, ya ti kuye, U ti uJehova uTixo ka Israeli, Ngi ku geobile u be inkosi yabantu baka Jehova, abaIsraeli.

7 U ya kucita indhlu ka Ahab inkosi yako, ukuze ngi pindisele igazi lezineeku zami abaprofeti, ngazi lezineeku zonke zika Jehova, esandhloleni sika Jezebeli.

8 Indhlu yonke ka Ahabi i ya kupelela, ngi ya kunquma kuAhabi lowo o nobudoda, nalowo o valiwe oseleyo kubaIsraeli.

9 Ngi ya kwenza indhlu ka Ahabi i be njengayo indhlu ka Jeroboamu, indodana ka Nebati, na njengayo indhlu ka Basha, indodana ka Ahija.

10 Izinja zi ya kumdhla uJezebeli esigabeni sezwe la seJezreli, ka ku yi kubako muntu o ya kumbela. Wa vula umnyango, wa baleka.

11 uJeh u pumela ezineekwini zenkosi, enye ya ti kuye, Ku lungile na? Lwezalani loluhlanya kuwe na? Wa ti kubo, Ni ya mazi lomuntu, nendaba yake.

12 Ba ti, Amanga! A ku si tyele. Wa ti, U te kimi ngokuti na ngokuti, e ti, U ti uJehova, Ngi ku geobile u be inkosi yabaIsraeli.

13 Kona ba tyetya, ba tata bonke izi-

ngubo zabo, ba zi beka pansi kwabo pezulu esikwelweni, ba tyaya amatilongo, ba ti, uJehu u inkosi.

14 Kwa ku njaloke ukuba uJehu indodana ka Jehoshafati wenza ieebo kuJoram. (uJoram wa linda eRamote Giladi, yena nabo bonke abaIsraeli, ngenxa ka Hazaeli inkosi ya seSiria.

15 Kodwa inkosi uJoram wa e buyile ukuba elatywe eJezreli amanxeba ake, loku wa be kutyaziwe amaSiria ekulweni kwake noHazaeli inkosi ya seSiria.) uJehu wa ti, Uma nxa ku intando yenu, ma ku nga pumi, obalekayo emuzini, ukuba a ye a bike lendaba eJezreli.

16 uJehu wa kwela enqoleni yake, wa ya eJezreli; ngokuba uJoram u be lele kona e gula, uAhazia inkosi yabaJuda wa e sehlike ukumbona uJoram.

17 Wa e mi umlindi embotyongweni pezulu, eJezreli, wa bona ibandhla lika Jehu ekuzeni kwake, wa ti, Ngi ya bona ibandhla. uJoram wa ti, Biza umkweli wehashi, u m tume ukuba a ba hlangebeze; a ti, Ku tulile na?

18 Ngako wa ya umkweli wehashi ukubahlangebeza, wa ti, I ti inkosi, Ku tulile na? uJehu wa ti, Ukutula ku namsebenzi muni kuwena na? buyela ngasemva kwami. Umlindi wa bika wa ti, Isigijimi se si ye kubona, kepa a si buyanga.

19 Wa buya wa tuma umkweli wehashi owesibili, wa ya kubona, wa ti, Ku tulile yini na? uJehu wa pendula, Ukutula, ku namsebenzi muni kuwena na? Buyela ngasemva kwami.

20 Umlindi wa bika, wa ti, Isigijimi se si fikile kubona, kodwa a si ka buyi; umgqumo wabo ku njengomgqumo waka Jehu indodana ka Nimshi; ngokuba yena u ya futuzela ngamandhla.

21 Wa ti uJoram, Bopela. Ya botyela inqola yake. Wa puma uJoram inkosi yabaIsraeli, noAhazia inkosi yabaJuda, ba hamba bobabili ezinqoleni zabo, ba puma ukumhlangabeza uJehu, ba m fumanisa ezweni lika Naboti umJezreli.

22 Kwa ti, uJoram e se m bonile uJehu, wa ti, Jehu, ku tulile na? Wa ti, Ukutula kuni, loku ukupinga kuka nyoko, uJezebeli nokukunkula kwake kungaka!

23 uJoram wa penduka, wa baleka, wa ti kuAhazia, Ku kona inkohliso, Ahazia!

24 uJehu wa bamba umeibityelo wa

ke, wa m cibityela uJoram pakati kwamahlombe ake, umeibityelo wa puma ngasenhliziyweni yake; wa wa enqoleni yake.

25 Wa ti, uJehu kuBidkare induna yake, Tata umzimba wake u wu tyinge endaweni wa sezweni lika Naboti wa seJezreli, u kumbule ukuti si sa hamba ndawonye mina nawe ngasemva kuka Ahabi uyise, uJehova wa beka lomtwalo pezu kwake;

26 U ti uJehova, Iqiniso nga bona izolo igazi lika Naboti, negazi lamadodana ake; u ti uJehova, Ngi ya kukupindisela kulendawo. Ngako ni tate, u m tyinge kulendawo, njengokutyo kuka Jehova.

27 E se bonile loko, uAhazia inkosi yabaJuda wa baleka ngayo indhlela yendhlu ya seBetgane. uJehu wa m landela, wa ti, M gwazeni naye enqoleni yake. Benze njalo, ba m gwaza ngasekukupukeni ukuya eGure oku nga seBleamu. Wa baleka wa ya eMegido, wa fa kona.

28 Izinceku zake za m yisa ngenqola yake eJerusalem, za m mbela etuneni lake, ndawonye nokoko bake emuzini ka Davida.

29 Ngomnyaka weshumi nanye ka Joram indodana ka Ahabi, uAhazia wa ba inkosi yabaJuda.

30 uJehu e se fikile eJezreli, uJezebeli wezwa, wa huqa amehlo ake, wa feketisa ikanda lake, wa lunguza esibukweni.

31 Ekungeneni kuka Jehu esangweni, wa ti, uZimri wa e nokutula yini, yena owa bulala inkosi yake?

32 Wa bhaka ngasesibukweni, wa ti, Ubani o nami na? Ubani na? Kwa lunguza kuye izinceku ezimbili nokuba zintatu.

33 Wa ti, M ponseni pansi; ba m ponsa pansi, igazi lake la sapazeka odongeni, na semahashini, wa m nyatela pansi kwezinyawo zake.

34 E se ngenile wa dhla, wa puza, wa ti, A ke ni ye ni bone lomtakatikazi, ni m mbele; ngokuba u yindodakazi yenkosi yena.

35 Ba ya ukumbela: kodwa a ba fumananga luto kuyena, kupela uqobolondo lwekanda, nezinyawo, nezitende zezandhla.

36 Ngako ba buya, be za ba m tyela, wa ti, Li njalo izwi lika Jehova, a li tyoyo ngenceku yake uElija wa seTishebe, e ti, Ezweni la seJezreli, izinja zi ya kudidhla inyama ka Jezebeli:

37 Isidumbu sika Jezebeli si ya kuba

ujjengomquba ebusweni bomhlabati wa seJezreli: ukuba ku nga tiwa, Nangu uJezreli.

ISAHLUKO 10.

**U**AHABI wa e namadodana a ngamashumi a isikombisa eSamaria, uJehu wa loba izinewadi, wa zi tuma eSamaria, kuzo izikulu za seJezreli, amalunga, na kubo ababondhlayo abantwana baka Ahabi, e ti,

2 Ekufikeni kwencwadi le kinina, loku ni namadodana enkosi yenu, ni nezinqola namahashi, nomuzi o biyiwe udonga, ni nezikali,

3 Ketani olungileyo nofaneleyo kuwo amadodana enkosi yenu, ni m beke esihlalweni sika yise, ni lwele indhlu yenkosi yenu.

4 Kepa ba besaba kakulu kakulu, ba ti, Bheka, amakosi amabili a be nge namandhla ukuma pambi kwake; po, tina si nge ma kanjani?

5 Ngako yena obusayo endhlini, naye obusayo emuzini, namalunga nabondhli, ba tuma kuJehu ba ti, Tina si izinceku zako, konke o za kutyo kitina, si ya kwenza, a si yi kumisa umuntu a be inkosi; yenza wena njengokufaneleyo emehlweni ako.

6 Wa pinda wa loba enye inewadi kubona, wa ti, Uma nina ni ngabami, uma ni ya kulalela izwi lami, tatani izikulu zabantu laba, amadodana enkosi yenu, ni ze kimi eJezreli ngomso nga lesisikati. Amadodana enkosi a ngamashumi a isikombisa, a be sezikulwini zomuzi ezabondhlayo.

7 Kwa ti ekufikeni kwa lenewadi, ba tata amadodana enkosi, ba bulala abantu aba ngamashumi a isikombisa, ba beka amakanda abo emaqomeni, ba wa tuma kuye eJezreli.

8 Sa fika isigijimi kuye, sa ti, Ba fikle namakanda amadodana enkosi. Wa ti, Wa bekeni a be zinqwaba zi be mbili ekungeneni kwesango ku ze ku se.

9 Kwa ti kusasa, wa puma, we ma, wa ti kubo bonke abantu, Nina ni lungile; bheka, ngenza icebo mina enkosini yami nga i bulala: kodwa bonke laba ba bulewe ubani na?

10 Qondani ngako ukuti a ku yi kuwa emhlabatini ici lezwi lika Jehova, a li kulumayo uJehova ngayo indhlu ka Ahabi: ngokuba uJehova wenzile loko a ku tyoyo ngenceku yake uElija.

11 Njalo uJehu wa bulala bonke abaseleyo bendhlu ka Ahabi eJezreli, nezikulu zake, nabazana naye, nabapristi bake, kwa za kwa pela nya.

12 We suka, wa hamba, wa ya eSamaria e seBetekeda,

13 uJehu wa fumana abafu wabo baka Ahazia inkosi yabaJuda, wa ti, Nina ni ngobani na? Ba ti, Tina si ngabafo wabo baka Ahazia; sehle ukubona uma ba hlezi kahle abantwana benkosi nabantwana benkosikazi.

14 Wa ti, Ba bambeni be sa hamba; ba ba bamba be sa hamba, ba ba bulala emgodini wa seBetekeda, abantu abangamashumi amane nambili; a ka shiyanga muntu kubona.

15 Se e mukile kona, wa m fumana uJehonadaba indodana ka Rekabi eza ukumhlangabeza; wa m bingelela, wa ti kuye, Inhliziyo yako i lungelene nenhliziyo yami, njengenhliziyo yami i lungelene nenhliziyo yako na? uJehonadaba wa pendula, wa ti, Ehe, uma ku njalo, ngi nike isandhla. Wa m nika isandhla, wa m kwelisa enqoleni.

16 Wa ti, Hamba nami u bone ukubambelela kwami kuJehova. Njalo ba m hambisa enqoleni yake.

17 Se e fikile eSamaria, wa ba bulala bonke abaseleyo baka Ahabi eSamaria, wa za wa ba qeda, njengokutyo kuka Jehova, a ku tyoyo kuElija.

18 uJehu wa buta abantu bonke, wa ti kubo, uAhabi wa m dumisa uBali incozana; uJehu u ya kundumisa kakulu.

19 Ngako kaloku ngi bizeleni bonke abaprofeti baka Bali, zonke izinceku zake, nabapristi bonke bake; ku nga sali muntu o ngeko: ngokuba ngi nomhlabelela omkulu engi za kumhlabelela uBali, naye o nga fikanga, u ya kubulawa. Kodwa uJehu wenza ngobugqili, ukuze a bulale abamdumisayo uBali.

20 Wa ti uJehu, Ma ni meme umhlangano omkulu kuBali; ba wu mnia.

21 uJehu wa tuma ezweni lonke laba-Israeli: nabo bonke abamdumisayo uBali beza: kwa za kwa nga sali muntu o nge zanga. Ba ngena endhlini ka Bali; indhlu ka Bali ya gewala ya ti swi!

22 Wa ti ko be linde indhlu yezivato, Zi lete izivato u ba nike bonke abantu abamdumisayo uBali. Wa ba letele izivato.

23 uJehu kanye noJehonadaba indodana ka Rekabi wa ngena endhlini ka

Bali, wa ti kubo abamdumisayo uBali, Hlolani, ni bone ukuba ku nga bi kona izinceku zika Jehova lapa, kodwa bona abamdumisayo uBali, kupela.

24 Se be ngenile ukunikela iminikelo yokuhlalywa, neminikelo yokutya, uJehu wa ba misa ngapandhle abantu ba ngamashumi a shiyagalombili, wa ti, Uma ku sinda umuntu kulaba bantu e ngi ba ngenisile ezandhleni zenu, yena lo u ya kuba esikundhleni sa lo o sindayo.

25 Kwa ti se e qedile ukunikela umnikelo wokutya, uJehu wa ti kubalindi na kuzo izinduna, Ngeanini ni ba bulale: ku nga pumi namunye. Ba ba bulala ngohlangoti lwenkenuba; abalindi nezinduna, za ba tyinga, ba ya emuzini wendhlu ka Bali.

26 Ba pumisa izitombe endhlini ka Bali, ba zi tyisa.

27 Ba bidhliza isitombe sika Bali, ba bidhliza nendhlu, ba yenza i be indhlu yeze ku ze ku be namhla.

28 Kwa ku njalo uJehu wa m qeda uBali ezweni lonke labaIsraeli.

29 Kodwa izono zika Jeroboamu indodana kaNebati, owonisa abaIsraeli, uJehu ka zi shiyanga, ukuti, amatole egolide a e kona eBeteli, na seDan.

30 Wa ti uJehova kuJehu, Ngokuba wenzile okufaneleyo ngokwenza leyonto e lungile emehlweni ami, wenzile kuyo indhlu ka Ahabi njengako konke oku senhliziyweni yami, amadodana ako ezizukulwaneni ezine a ya kuhlala esihlalweni sobokosi sabaIsraeli.

31 Kodwa uJehu ka hlakanipanga ukuhamba ngemiteto ka Jehova uTixo ka Israeli, ngenhliziyo yonke yake: ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu, owonisa abaIsraeli.

32 Ngaleyomihla uJehova wa qala ukunqamula kubaIsraeli: uHazaeli wa e ba cita emazweni onke kwaIsraeli.

33 Ku qala eJordan ngasempumalanga, izwe lonke la seGiladi namaGadi, nabaRubeni, nabaManasa, Aroeri okungasemfuleni iAnoni, iGiladi neBashani kokubili.

34 Imisebenzi eminye ka Jehu, nako konke a kwenzayo, namandhla ake, ka ku lotyiwe yini, enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

35 uJehu wa lala nokoko bake, ba m mbela eSamaria. uJehoahaza indodana yake, wa busa esikundhleni sake.

36 Imhla yokubusa kuka Jehu kuba-

Israeli eSamaria, ya i iminyaka e ngamashumi amabili nashiyagalombili.

## ISAHLUKO 11.

UATALIA unina ka Ahazia e se bone ukuba indodana yake ya i file; wa suka wa bulala yonke inzalo yobukosi.

2 Kepa uJehosheba indodakazi yenkosi uJoram, udade wabo ka Ahazia, wa m tata uJehoashi indodana kaAhazia, wa m tumba kuwo amadodana enkosi, a buleweyo; wa m tukusa kanye nomzanyana wake kuAtalia, egumbini lokulala, a ka bulawanga.

3 Yena wa e tukisiwe naye endhlini ka Jehova, iminyaka e isitupa, uAtalia wa busa ezweni.

4 Ngomnyaka wesikombisa uJehoida wa tuma, wa biza izinduna zamakulu, nabalindi nezigijimi, wa zi ngenisa kuye endhlini ka Jehova, wenza isivumelwano nabo, wa ba fungisa ngeqiniso endhlini ka Jehova, wa ba bonisa indodana yenkosi.

5 Wa ba yala, e ti, Nausi ipto eni ya kuyenza; Abesitatu kini abangenayo ngosuku lwesabata ba za kuba abalindi bendhlu yenkosi.

6 Abesitatu ba ya kuba esangweni la seSure; nabesitatu esangweni ngasemva kwezigijimi: njalo ni ya kulinda le ndhlu, ukuze i nga fohlwa.

7 Abobubili kini nonke abapumayo ngesabata, ba ya kulinda indhlu ka Jehova nga senkosini.

8 Ni ya kuzungeza inkosi, abantu bonke ku ngulowo e nezikali zake esandhleni sake: yena ongenayo pakati kokuhlelwa, ma ka bulawe: nina ma ni i linde inkosi ekupumeni kwayo na sekungeneni kwayo.

9 Izinduna zamakulu zenza konke a be ku yalile uJehoida umpristi: za tata zonke ku ileyo abantu bayo abangenayo ngesabata, kanye nabo abapumayo ngesabata, ze za kuJehoida umpristi.

10 Umpristi wa nika imikonto nezihlangu zenkosi uDavida, eza zi kona etempeleni lika Jehova kuzo izinduna zamakulu.

11 Izigijimi zema, zonke za pata izikali zazo ezandhleni zazo, za zungeza inkosi ohlangotini lwasokunene lwendhlu, ku ze ku fike ohlangotini lwasekohlo lwendhlu, nga selatini.

12 Wa pumisa indodana yenkosi, wa beka unqele ekanda layo, wa i nika

umiteto; ba yi misa i be inkosi, ba i gcoba ngamafuta; ba tyaya izandhla zabo, ba ti, Ma i pile inkosi!

13 Nxa uAtalia ezwa umsindo wezigijimi, nomsindo wabantu, we za kubantu, endhlini ka Jehova.

14 Wa buka, bheka, inkosi ye na endaweni epakamileyo, njengomkuba wabo, izinduna nabapata amatilongo ba be seduze nenkosi: abantu bonke bezwe ba tokoza, ba beta amatilongo; uAtalia wa hxebula izingubo zake, wa kala, wa ti, Inhlanganiso, inhlanganiso yamaeebo!

15 Kodwa uJehoida umpristi wa zi yala izinduna zamakulu, amakosi empi, wa ti kuzona, M pumiseleni pandhle kokuhlelwa; yena o m landelayo ma a bulawe ngenkamba. Ngokuba umpristi u be te, Ma a nga bulawa endhlini ka Jehova.

16 Ba menzela indawo, wa hamba ngendhlela yamahashi, a fika ngayo endhlini yenkosi: wa bulawa kona.

17 uJehoida wa senza isivumelwano pakati kuka Jehova, nenkosi, nabantu, ukuze ba 'be abantu baka Jehova; na pakati kwenkosi nabantu, wa senza isivumelwano.

18 Bonke abantu ha lelozwe, ba ngena endhlini ka Bali, ba i bidhliza; amalati ake nezitombe zake, ba zi casa ku ti du, ba m bulala uMatana umpristi ka Bali pambili kwamalati: umpristi wa misa ababonisisi bendhlu ka Jehova.

19 Wa zi tata izinduna zamakulu, nabalindi, nezigijimi, nabantu bonke bezwe; ba yehlisa inkosi endhlini ka Jehova, be za ngendhlela yesango yezigijimi zenkosi. Wa hlala esihlalweni sobukosi.

20 Bonke abantu bezwe ba tokoza, umuzi wa u nokutula; ba m bulala uAtalia ngenkamba, ecaleni lendhlu yenkosi.

21 uJehoashi wa e neminyaka e isikombisa ekuqaleni kwake ukubusa.

### ISAHLUKO 12.

**N**NGOMNYAKA wesikombisa ka Jehu uJehoashi wa ba inkosi; wa busa eJerusema iminyaka e ngamashumi amane, igama lika uina lu li nguZibia wa seBereshaba.

2 uJehoashi wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova izinsuku zonke zake, njengako owa ku fundiswa nguJehoida umpristi.

3 Kodwa izindawo ezipakamileyo be zi ngu suswanga; abantu ba be hlaba iminikelo, ba tyisa nempepo ezindaweni ezipakamileyo.

4 uJehoashi wa ti kubapristi, ma ba yamkele imali yonke eyingewe, e le-twayo endhlini ka Jehova, imali edblulayo, ku be ngulowo a yamkele imali yabantu, njengokulinganisa kwake, nayo yonke imali e ku ngena enhliziyweni yomuntu ukuyileta endhlini ka Jehova.

5 Abapristi ma ba yamkele, ku ngulowo a yamkele kuye o wazana naye, ma ba lungise izikala zendhlu ezindaweni zonke,

6 Kodwa ngomnyaka wamashumi amabili nantatu wenkosi uJehoashi, abapristi ba be nga ka zi lungisi izikala zendhlu.

7 Kona inkosi uJehoashi wa biza uJehoida umpristi, nabapristi abanye, wa ti kubo, Kungani na ukuba ni nga lungisi izikala zendhlu? ngakoke musani ukwamkela imali kwabazana nani, kodwa ni yi nikele izikala zendhlu.

8 Abapristi ba vuma ukuba ba nga yamkeli imali kubantu, nokuba ba nga zi lungisi izikala zendhlu.

9 Kodwa uJehoida umpristi wa tata umpongolo, wa bobosa imbobo esisibeke-lweni sawo, wa u beka nga kwesokumene selati ekungeneni kwabantu endhlini ka Jehova, abapristi abalinda umnyango, ba ngenisa kona imali yonke eya telwa endhlini ka Jehova.

10 Kwa ti, se be bonile ukuba i kona imali eningi empongolweni, umbali wenkosi, nompristi omkulu ba kupuka ba yi bopa, ba yi bala imali eya funyaniswa endhlini ka Jehova.

11 Ba i nika imali se i baliwe, esandhlени sabo abasebenzayo imisebenzi abamiselwe indhlu ka Jehova, ba kokela ngayo ababazi, nabaki, aba sebenzayo endhlini ka Jehova.

12 Nabaki ngamatye, nababazi ngamatye, nokutenga imiti namatye abaziweyo, ukulungisa izikala zendhlu ka Jehova, nako konke okumiselweyo indhlu ukuyilungisa.

13 Kodwa ka kwenzelwanga indhlu ka Jehova izigobongo zesiliva nezizenze zezibane, nezitya, namatilongo, nazo izitya zegolide, nezitya zesiliva, ngemali eya telwa endhlini ka Jehova:

14 Kodwa ba yi nika izisebenzi, ba lungisa ngayo indhlu ka Jehova.

15 Njaloke, ka ba buzi kubantu aba i



beka imali leyo ezandhleni zabo, ukukokela izisebenzi: ngokuba ba be sebenza ngenyaniso.

16 Imali yomnikelo namacala, nemali yomnikelo wezono, a i letwanga endhlini ka Jehova, yona ya i eyabapristi.

17 Kwa suka uHazeali inkosi ya seSiria, wa kupuka, wa hlasela eGati, wa li ngoba: uHazeali wa kupuka, wa qonda eJerusalema:

18 uJehoashi inkosi yabaJuda wa zi tata zonke izinto ezi yingwele eza miwasa nguJehoshafati, noJehoram, noAhazia, oyise, amakosi abaJuda, neziuto zake ezi ingwele, negolide, lonke ela funyaniswa pakati kwemfuyo endhlini ka Jehova, wa sendhlini yenkosi, wa ku tuma kuHazeali inkosi ya seSiria, wenyuka eJerusalema.

19 Imisebenzi eminye ka Jehoashi nako konke a kwenzayo, a ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

20 Izinceku zake za suka, zenza ieebo lokubulala uJehoashi ka Betmilo ekweleni ukuya eSila.

21 uJozakare indodana ka Shimata, noJehozabada indodana ka Shomeri, izinceku zake, ba m bulala, wa fa; ba mbela ndawonye nokoko bake emuzini ka Davida: uAmazia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

### ISAHLUKO 13.

**N**NGOMNYAKA wamashumi amabili nantatu ka Jehoashi indodana ka Ahazia inkosi yabaJuda, uJehoahaza indodana ka Jehu, wa qala ukubusa aba-Israeli eSamaria, wa busa iminyaka e ishumi nesikombisa.

2 Wenza kabi emehlweni ka Jehova wa landela izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, owonisa aba-Israeli, ka zi shiyanga.

3 Ulaka luka Jehova lwa vuta kuba-Israeli, wa ba nika esandhleni sika Hazeali inkosi ya seSiria na sesandhleni sika Benhadade indodana ka Hazeali, ngezinsuku zonke zabo.

4 uJehoahaza wa kuleka kuJehova, uJehova wa muzwa; ngokuba wa bona ukuhlupeka kwaba-Israeli ukuti inkosi ya seSiria ya ba hlupa.

5 uJehova wa ba nika aba-Israeli umsi-ndisi, ba puma esandhleni samaSiria: abantwana baka Israeli ba hlala amatenenti njengakuqala,

6 Kodwa ka ba zi shiyanga izono ze-

ndhlu ka Jeroboamu, yena owonisa aba-Israeli, kodwa ba hlala kuzona: uAshera u be se mi eSamaria.

7 Ngokuba be ku nga salanga kuJehoahaza abantu kupela ba ngamashumi amahlanu amadoda abakwela emahashini, nezinqola ezi ishumi, nabahamba ngezinyawo ba zinkulungwane ezi ishumi, ngokuba inkosi ya seSiria ya i ba bulele, ya benza ba be njengotuli lokubula.

8 Imisebenzi eminye ka Jehoahaza, nokwenza konke kwake, namandhla ake, a ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi aba-Israeli?

9 uJehoahaza wa lala nokoko bake; ba m mbela eSamaria: uJehoashi indodana yake wa busa esikundhleni sake.

10 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesikombisa ka Jehoashi inkosi yabaJuda, uJehoasha indodana ka Jehoahaza wa ba inkosi yaba-Israeli, eSamaria, wa busa iminyaka e ishumi nesitupa.

11 Wenza kabi emehlweni ka Jehova; ka si shiyanga nasono sika Jeroboamu indodana ka Nebati, owonisa aba-Israeli; kodwa wa hamba kuso.

12 Imisebenzi eminye ka Jehoashi, nako konke a kwenzayo, namandhla ake, a lwa ngawo noAmazia inkosi yabaJuda, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi aba-Israeli?

13 uJehoashi wa lala nokoko bake: uJeroboamu wa hlala esihlalweni sake sobukosi: uJehoashi wa mbelwa eSamaria ndawonye namakosi aba-Israeli.

14 Kwa ti uElisha wa e kwelwe isifo sake, a fa ngaso. uJehoashi inkosi yaba-Israeli wehlela kuye, wa kala ebusweni bake, eti; Wo Baba wami, baba wami! inqola yaba-Israeli, nababamashashi abo!

15 uElisha wa ti kuye, Tata imicibityelo. Wa tata imicibityelo.

16 Wa ti enkosini yaba-Israeli, Beka isandhla sako kumcibityelo. Ya beka kona isandhla sayo: uElisha wa beka isandhla zake pezu kwezandhla zenkosi.

17 Wa ti, Vula isibuko ngasempumalanga. Ya si vula. uElisha wa ti, Cibityela. Ya cibityela. Wa ti, Umcibityelo wokukululwa kuka Jehova eSiria, ngokuba u za kubulala amaSiria eAfezi, u ze u wa qede.

18 Wa ti, Tata imicibityelo. Ya yi

tata. Wa ti enkosini yabaIsraeli, Tyaya emhlabatini. Ya tyaya katatu, ya peza.

19 Umuntu ka Tixo wa e tukutela nayo, wa ti, Kwa ku fanele ukutyaya kahlanu, noma kasitupa; kona u bu za kwahlula amaSiria u ze u wa qede: kodwa kaloku u za kuwahlula katatu kupela.

20 uElisha wa fa, ba m mbela. Amabuto amaMoabi a hlasela ezweni ekuqaleni kwa lomnyaka.

21 Kwa ti be sa m mbela umuntu o tile, ba bona ibandhla labantu, ba ntyinga isidumbu somuntu etuneni lika Elisha: uma lomuntu wa namata amatambo ka Elisha, wa vuka wema ngezinyawo.

22 uHazaeli inkosi ya seSiria wa hlupa abaIsraeli izinsuku zonke zika Jehoahaza.

23 uJehova wa e nomusa kubona, wa ba haukela, wa ba bheka, ngenxa yesivumelwano sake noAbrahama, noIsaka, noJakobe; wa e nga tandi ukubaqeda, futi ka ba xotyanga ebusweni bake, ku ze ku be manje.

24 Njalo uHazaeli inkosi ya seSiria wa fa: uBenhadade indodana yake wa busa esikundhleni sake.

25 Wa buya uJehoashi indodana ka Jehoahaza wa mapuca uBenhadade indodana ka Hazaeli imizi, a mapuca yona uJehoahaza uyise, ngokulwa. uJehoashi wa mahlula katatu, wa a buyisa, wa yapuca imizi yabaIsraeli.

#### ISAHLUKO 14.

**N**NGOMNYAKA wesibili ka Jehoashi indodana ka Jehoahaza inkosi yabaIsraeli, uAmazia indodana ka Jehoashi wa ba inkosi yabaJuda.

2 Ekuqaleni kwake ukubusa wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalem. Igama lika nina la li nguJehoahaza wa seJerusalem.

3 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, kodwa be ku nge njengoyise uDavida; wenza nguko konke njengokwenza kuka yise uJehoashi.

4 Noko izindawo ezipakamileyo be zi nga suswanga: abantu ba be sa hlaba, ba tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo.

5 Kwa ti, se u qinisiwe umbuso esandhleni sake, wa bulala izinceku zake e be zi bulele inkosi uyise.

6 Kodwa abantwana bababulali a ka ba bulalanga, njengokulotyiweyo enewadini yomteto ka Mosi, lapo uJehova wa yala, e ti, Oyise ka ba yi kubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana ka ba yi kubulawa ngenxa yoyise, kodwa ku ngulowo a za kubulawa ngezonke zake.

7 Wa bulala emfundeni ka Saoti, ama-Edomi a zinkulungwane ezi ishumi, wa lapuca iSela ngokulwa, wa biza igama lalo ngokuti iJokteli, ku ze ku be namhla.

8 Njalo uAmazia wa tuma izigijimi kuJehoashi, indodana ka Jehoahaza, indodana ka Jehu, inkosi yabaIsraeli, e ti, A ku ze, si bonane.

9 uJehoashi inkosi yabaIsraeli wa tuma kuAmazia inkosi yabaJuda wa ti, Umtolo wa seLebanoni, wa tuma kulo isedare la seLebanoni, wa ti, Ngi nike indodakazi yako i be umfazi wendodana yami: kwa dhlula isilo sa sendhle, sa si seLebanoni, sa nyatela pansi umtolo.

10 Impela iEdomi u li citile nokueita, ngako inhliziyoyi yako i ku pakamisile: yiba nenhlanhla ngaloko, u hlale ekayya: ku ngani na ukuba u ya kulwa nesisila ukuziponsa, u we wena nabaJuda kanye nawe?

11 Kodwa uAmazia wa ngaba ukulalela. Ngako uJehoashi inkosi yabaIsraeli wa kupuka; naye noAmazia inkosi yabaJuda, ba bonana eBeteshemesha, kwabaJuda.

12 AbaJuda bahlulwa pambi kwabaIsraeli; ba baleka bonke, ba ya emateni abo.

13 uJehoasha inkosi yabaIsraeli wa m bamba uAmazia inkosi yabaJuda, indodana ka Jehoasha indodana ka Ahazia eBetishemeshi, we za eJerusalem wa diliza udonga lwa seJerusalem, ku qala esangweni lika Efraimi, kwa za ku sesangweni la sengosini, anakubifi a ngamakulu amane.

14 Wa tata igolide nesiliva lonke, nezitya zonke eza fuyaniswa endhlini ka Jehova, na semfuyeni yendhlu yenkosi, nabayetembisayo, wa buyela eSamaria.

15 Imisebenzi eminye ka Jehoashi a yenzayo, namandhla ake, nokulwa kwake noAmazia inkosi yabaJuda, ka ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihlu ngemihla yamakosi abaIsraeli?

16 uJehoashi wa lula nokoko bake, wa mbelwa eSamaria ndawonye namakosi abaIsraeli; uJeroboamu indodana yake wa busa esikundhleni sake.

17 uAmazia indodana ka Joashi inkosi yabaJuda, wa hlala iminyaka e ishumi nanhlanu ngasemva kokufa kuka Jehoashi indodana ka Jehoahaza inkosi yabaIsraeli.

18 Imisebenzi eminye ka Amazia, a yi lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

19 Ba lenza icebo kuye eJerusalema, wa baleka wa ya eLakisha; kodwa ba tuma ba m landela eLakisha, ba m bulala kona.

20 Ba m twala ngamaphashi; wa mbelwa eJerusalema ndawonye nokoko bake emuzini ka Davida.

21 Abantu bonke abakwaJuda ba m tata uAzaria, e se neminyaka e ishumi nesitupa, ba m misa a be inkosi esikundhleni sika yise uAmazia.

22 Yena waka ilati, wa li buyisa kubaJuda, inkosi i si lele ndawonye nokoko bayo.

23 Ngomnyaka weshumi nesihlanu ka Amazia indodana ka Joashi inkosi yabaJuda, uJeroboamu indodana ka Joashi inkosi yabaIsraeli wa qala ukubusa eSamaria, wa busa iminyaka e ngamashumi amane nanye.

24 Wenza kabi emehlweni ka Jehova: ka zi shiyanga izono zonke zika Jeroboamu indodana ka Nebati ewonisa abaIsraeli.

25 Wa buyisa izwe labaIsraeli, ku suka ekungeneni kwa seHamati, ku ze ku selwandhle lwa seArabia, njengezwi lika Jehova uTixo ka Israeli, a li tyoyo ngenceku yake uJona, indodana ka Amitai, umprofeti wa seGatiheferi.

26 Ngokuba uJehova wa bona inhlupeko yabaIsraeli, ukuba ya i nzima kakulu; kwa ku ngeko ogodhliweyo, kwa ku ngeko noseleyo, kwa ku ngeko nolekelayo kubaIsraeli.

27 uJehova a ka tyongo ukuti u za ku hlanguka igama lika Israeli ngapansi kwezulu; kodwa wa ba sindisa ngesandhla sika Jeroboamu indodana ka Jehoashi.

28 Imisebenzi eminye ka Jeroboamu, nako konke a kwenzayo, namandhla ake, nokulwa kwake, nokubuyisela kwake kubaIsraeli iDamaseku, neHamati, la seJudia ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

29 uJeroboamu wa lala nokoko bake, ndawonye namakosi abaIsraeli, uZaka-

ria indodana yake wa busa esikundhleni sake.

ISAHLUKO 15.

**N**NGOMNYAKA wamashumi amabili nesikombisa ka Jeroboamu inkosi yabaIsraeli, uAzaria indodana ka Amazia inkosi yabaJuda wa ba inkosi.

2 Ekuqaleni kwake ukubusa wa e neminyaka e ishumi nesitupa, wa busa iminyaka e ngamashumi amahlanu namibili eJerusalema. Igama lika nina la li nguJekolia wa seJerusalema.

3 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, njengako konke a kwenzayo uyise uAmazia.

4 Kodwa izindawo ezipakamileyo za zi nga suswanga: abantu ba be sa tyisa impepo, ba be sa hlaba iminikelo ezindaweni ezipakamileyo.

5 uJehova wa i hlupa inkosi, wa yenza i be ilepero, ya za ya fa, ya hlala endhlini yokufa. uJotamu indodana yenkosi wa e busa indhlu, e ba hlala abantu bezwe.

6 Imisebenzi eminye ka Azaria, nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

7 uAzaria wa lala nokoko bake: ba m mbela ndawonye nokoko bake emuzini kaDavida; uJotamu indodana yake wa busa esikundhleni sake.

8 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyagalombili ka Azaria inkosi yabaJuda, uZakaria indodana ka Jeroboamu wa busa abaIsraeli eSamaria izinyanga za zi isitupa.

9 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, njengaloko ba kwenzayo okoko bake: a ka sukanga ezonweni zikaJeroboamu indodana ka Nebati owonisa abaIsraeli.

10 uShaluma indodana ka Jabeshi wa menzela icebo, wa m tyaya pambi kwabantu, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake.

11 Imisebenzi eminye ka Zakaria, bheka, i lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

12 Ilelo izwi lika Jehova a li kuluma, yo kuJehu, ngokuti amadodana ako a ya kuhlala esihlalweni sobukosi sika Israeli, ku ze ku be esizukulwaneni sesine. Kwa ba njaloke.

13 uShaluma indodana ka Jabeshi wa qala ukubusa ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyagalombili ka Uzia inkosi yabaJuda; wa busa inyanga nanye eSamaria.

14 uMenahemu indodana ka Gadi, wa

kupuka eTirza, we za eSamaria wa mahlula uShaluma, indodana ka Jabeshi eSamaria, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake.

15 Imisebenzi eminye ka Shaluma, necebo lake, a lenzayo, bheka ku lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

16 Kona uMenahemu wa cita iTifsa, nabo bonke aba be kona, namazwe alo, ku suka eTirza; ngokuba be nga m vulelanga, wa li cita; nabafazi abamitiyo bonke aba be kona, wa ba qaqa.

17 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyagalolunye ka Azaria inkosi yabaJuda, uMenahemu indodana ka Gadi wa qala ukubusa kwaIsraeli, wa busa iminyaka ya ishumi eSamaria.

18 Wenza kabi emehlweni ka Jehova: ngemihla yonke yake, a ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

19 uPuli inkosi ya seAsiria we za ezweni lelo: uMenahemu wa m nika u Puli amatalenta esiliva a inkulungwane, ukuba isandhla sake si be naye ukuqinisa umbuso esandhleni sake.

20 uMenahemu wa telisa abaIsraeli bonke abakulu empini, nabantu bonke wa biza amashekeli esiliva a ngamashumi amahlanu, ukuyinika inkosi ya seAsiria. Njalo inkosi ya seAsiria ya buya, ya i nga hlali kona ezweni.

21 Imisebenzi eminye ka Menahemu nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli?

22 uMenahemu wa lala nokoko bake, uPekahia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

23 Ngomnyaka wamashumi amahlanu ka Azaria inkosi yabaJuda uPekahia indodana ka Menahemu wa qala ukubusa kwa Israeli eSamaria, wa busa kona iminyaka emibili.

24 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

25 Kodwa uPeka indodana ka Remalia, induna yake, wa menzela icebo, wa mahlula eSamaria esigodhlweni sendhlu yenkosi, kanye no Argobe noAria namadoda a ngamashumi amahlanu, amaGiladi, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake.

26 Imisebenzi eminye ka Pekahia, nako konke a kwenzayo, bheka, ku lotyiwe

encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

27 Ngomnyaka wamashumi amahlanu nambili ka Azaria inkosi yabaJuda, uPeka indodana ka Remalia wa ba inkosi yabaIsraeli eSamaria, wa busa iminyaka ya i ngamashumi amabili.

28 Wenza kabi emehlweni ka Jehova: ka zi shiyanga izono zika Jeroboamu indodana ka Nebati, yena owonisa abaIsraeli.

29 Ngezinsuku zika Peka inkosi yabaIsraeli, kweza uTiglatpileasari inkosi ya seAsiria, wa nqoba iJoni, neAbelbetemaka, neJanoa, neKedeshi, neHazoni, neGiladi, neGalile, nezwe lonke la seNaftali, wa ba yisa abantu be botyiwe eAsiria.

30 uHoshea indodana ka Ela wa m enzela uPeka icebo indodana ka Remalia, wa m tyaya, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake ngomnyaka wamashumi amabili ka Jotamu indodana ka Uzia.

31 Imisebenzi eminye ka Peka nako konke a kwenzayo, bheka, ku lotyiwe encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaIsraeli.

32 Ngomnyaka wesibili ka Peka indodana ka Remalia inkosi yabaIsraeli, uJotamu indodana ka Uzia inkosi yabaJuda, wa qala ukubusa.

33 Ekuqaleni kwake ukubusa, iminyaka yake ya i ngamashumi amabili, wa busa iminyaka ya i ishumi nesitupa eJerusalema, igama lika nina la li nguJerusha, indodakazi ka Zadoki.

34 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, wenza ngako konke a kwenzayo uyise uUzia.

35 Kodwa izindawo ezipakamileyo za be zi nga suswanga; abantu ba be sa hlaba iminikelo, ba tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo. Waku isango la senhla endhlini ka Jehova.

36 Imisebenzi eminye ka Jotamu nokwenza konke kwake, ka ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

37 Nga lezozinsuku uJehova wa qala ukutuma kaJuda uRezina inkosi ya seSiria, noPeka indodana ka Remalia.

38 uJotamu wa lala nokoko bake emuzini ka Davida uyise. uAhasia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

ISAHLUKO 16.

NGOMNYAKA weshumi nesikombisa ka Peka indodana ka Remalia,

uAhazi indodana ka Jotamu inkosi yabaJuda wa ba inkosi.

2 Ekuqaleni kwake ukubusa iminyaka ka Ahazi ya i ngamashumi amabili, wa busa iminyaka ya ishumi nesitupa eJerusalema, ka kwenzanga okufaneleyo emehlweni ka Jehova uTixo wake njengoDavida uyise.

3 Kepa wa hamba ngendhlela yamakosi abaIsraeli, yebo, wa yi dhlulisa indodana yake emlilweni, njengemikuba emibi yezizwe, a zi xotyayo uJehova ngapambili kwabantwana baka Israeli.

4 Wa hlabha iminikelo, wa tyisa impepo ezindaweni ezipakamileyo, na semadulini, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 Kona uRezina inkosi ya seSiria noPeka indodana ka Remalia inkosi yabaIsraeli, ba kupuka beza eJerusalema, ukulwa: ba hlasela kuAhazi, kodwa ba be nge nakumahlala.

6 Nga lesosikati uRezina inkosi ya seSiria wa buyisa iElati kumaSiria, wa ba xotya abaJuda eElati: amaSiria e za eElati, akile kona ku ze ku be namhlanje.

7 Ngako uAhazi wa tuma isigijimi kuTiglatpilezare inkosi ya seAsiria, wa ti, Mina ngi inceku yako, nendodana yako: kupuka u ze, u ngi sindise esandhlени senkosi ya seSiria, na sesandhlени senkosi yabaIsraeli aba ngi vukeleyo.

8 uAhazi wa tata isiliva negolide ela li funyanwa endhlini ka Jehova, na semfuyeni yendhlu yenkosi, wa li tuma wa labela inkosi ya seAsiria.

9 Inkosi ya seAsiria ya m lalela: inkosi ya seAsiria ya hlasela eDamaseku, wa li ngoba, ya mukisa abantu ba lomuzi eKira, ya m bulala uRezina.

10 Ya suka inkosi uAhazi, ya ya eDamaseku ukumhlangabeza uTiglatpilezare inkosi ya seAsiria, wa bona ilati ela be li kona eDamaseku; inkosi uAhazi wa tuma kuRija umpri sti isimilo selati, nomfanekiso walo, njengokudabula kwalo konke.

11 uRija umpri sti wa laka ilati li njengako konke e bi ku tumile inkosi uAhazi ku vela eDamaseku: njalo uRija umpri sti wa lenza la za la pela ngesikati sokubuya kwenkosi uAhazi eDamaseku.

12 Kwa ti i si fikile inkosi i vela eDamaseku, inkosi ya li bona i lati: inkosi

ya sondela elatini, ya nikela iminikelo pezu kwalo.

13 Ya tyisa umnikelo wokutya wayo, nomnikelo wokudhla wayo, ya tela umnikelo wokupuza wayo, ya fafaza elatini igazi leminikelo yayo yokutula.

14 Futi wa li leta ilati letusi, ela li kona pambi kuka Jehova, wa li susa ngapambi kwendhlu pakati kwelati nendhlu ka Jehova, wa li beka ohlangotini lwelati nga senyakato.

15 Inkosi uAhazi wa yala uRija umpri sti, e ti, Elatini elikulu wo nikela umnikelo wokutya wokusa, nomnikelo wokudhla wokuhlwa, nomnikelo wokutya wenkosi nomnikelo wokudhla wayo, kanye nomnikelo wokutya wabantu bonke bezwe; nomnikelo wokudhla wabo, nomnikelo wokupuza wabo, u fafaze kulona igazi lonke lomnikelo wokutya, negazi lonke lomhlabele: ilati letusi li za kuba elami lokuqonda ngalo.

16 Njalo uRija umpri sti wenza njengokuyala konke kuka Ahazi inkosi.

17 Inkosi uAhazi wa nquma iziuidini zeziqu, wa susa udiwo lokuhlanzela kuzo; wa lotula ulwandhle ezinkabini zetusi e za zi ngapansi kwalo, wa lu beka ekuhlelweni kwamatye.

18 Uphala lwesabata aba be lwakile endhlini, nendawo yokungena yenkosi ngapandhle, wa ku pambukisa endhlini ka Jehova ngexa yenkosi ya seAsiria.

19 Imisebenzi eminye ka Ahazi a yenzayo, ka i lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

20 uAhazi wa lala nokoko bake, wa mbelwa ndawonye nokoko bake emuzini ka Davida; uHezekia indodana yake wa busa esikundhlени sake.

## ISAHLUKO 17.

**N**NGOMNYAKA weshumi nambili ka Ahazi inkosi yabaJuda, uHoshea indodana ka Ela, wa qala ukubusa abaIsraeli eSamaria, wa busa iminyaka e isishiyagalolunye.

2 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, noko kwa be ku nge njengamakosi abaIsraeli, a be kona ngapambili kwake.

3 uShalamanesa inkosi ya seSiria wenyuka ukuhlasela kuye: uHoshea wa ba inceku yake, wa tela kuye.

4 Inkosi ya seSiria yaamana icebo kuHoshea; ngokuba wa be e tumile izigijimi kuSo, inkosi ya seEgipite, e nga leti isipo kuyo inkosi ya seSiria, njengo-

kwenza kwake iminyaka ngeminyaka; kona inkosi ya seSiria ya u valela, ya m bopa etilongweni.

5 Njalo inkosi ya seSiria yenyuka, ya dabula ezweni lonke, ya ya na seSamaria, ya li haqa iminyaka emitatu.

6 Ngomnyaka wesishiyagalolunye ka Hoshea, inkosi ya seAsiria ya nqoba abantu eSamaria, ya hambisa abaIsraeli eAsiria, ya ba hlalisa eHala, na seHaborre, ngasemfuleni wa seGozana, na semizini yamaMidia.

7 Kwa ti abantwana baka Israeli be bonile kuye uJehova uTixo wabo, owa benyusa ezweni la sEgipite, nga sesandhleni sika Faro inkosi ya sEgipite; ba dumisa otixo abanye.

8 Ba hamba ngemikuba yabantu bezizwe, laba a be ba xotyile uJehova pambi kwabantwana baka Israeli, neyanakosi abaIsraeli, a misiweko ibo.

9 Abantwana baka Israeli ba zenza ngasese izinto ezingafaneleyo kaJehova uTixo wabo, ba zakela izindawo ezipakamileyo emizini yonke yabo, ku suka edokodweni labalindi, ku ze ku be semuzini o inqaba.

10 Ba zi misela izitombe noAshera, ezintabeni zonke ezinde, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

11 Na lapo ba be tyisa impepo ezindaweni zonke ezipakamileyo, njengabezizwe a be ba xotyile uJehova pambi kwabo; ba zenza izinto ezimbi ukumtukulisa uJehova.

12 Ba dumisa izitombe, uJehova a be tyilo kubo ngazo ukuti, A ni yi kuyenza leyonto.

13 Kepa uJehova be e lulekile abaIsraeli nabaJuda, ngabaprofeti bonke, na ngabaziyo bonke ngokuti, Pendukani ezindheleni zenu ezimbi, ni gcine imiyalo yami, nemiteto yami, njengawo wonke umteto wami, enga ba yala wona oyihlo, nga wu tuma kini ngezinceku zani abaprofeti.

14 Kepa ka be zwanga, benza zi be lukuni izintamo zabo, njengentamo ya oyise babo aba ngetembiyo uJehova uTixo wabo.

15 Ba delela imiteto yake, nesivumelwano sake, a be senzile noyise babo, nemiyalo yake a be ba yalile ngayo, ba landela ubuula, ba pukuzela, ba landela abezizwe, aba ba zungezayo, ngabo uJehova a be ba yalile ukuba ba ngenzi njengabo.

16 Ba shiya yonke imiyalo ka Jehova

uTixo wabo, ba zenzela izitombe eza kanda ngensimbi ukuti, amatole amabili, ba zenzela uAshera, ba dumisa ebandhleni lonke la sezulwini, ba m dumisa uBali.

17 Ba dhlulisa amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, ba bula, ba kunkula, ba zitengisela ukwenza okubi emehlweni ka Jehova, ukumtukulitela.

18 Njalo uJehova wa e tukutele kakulu nabaIsraeli, wa ba susa ebusweni bake: kwa sala isizwe sika Juda kupela.

19 Futi nabaJuda ka ba gcinanga imiyalo ka Jehova uTixo wabo, kodwa ba hamba ngemiteto yabaIsraeli eyenziwa ibo.

20 uJehova wa yi delela inzalo yonke ka Israeli, wa yi cita, wa yi nikela esandhleni sabapangayo, wa za wa yi lahla ngasebusweni bake.

21 Ngokuba wa hlukanisa abaIsraeli kuyo indhlu ka Davida, bona ba misa uJeroboamu indodana ka Nebati a be inkosi yabo: uJeroboamu wa ba vimbela abaIsraeli ukuba ba nga m landeli uJehova, wa bonisa ngokona okukulu.

22 Kwa ti abantwana baka Israeli ba hamba ezonweni zonke zika Jeroboamu a zenzayo; ka ba sukanga kuzo.

23 Kwa za kwa ti uJehova wa susa abaIsraeli ngasebusweni bake, njengaloko a be ku tyilo ngezinceku zake zonke abaprofeti. Njalo abaIsraeli ba suswa ezweni la kubo, ba yiswa eAsiria ba kona ku ze ku be nanhlalanje.

24 Inkosi ya seAsiria ya zisa abantu be vela eBabulona, na seKuta, na seAva, na seHamati, na seSefavami, ya ba hlalisa emizini ya seSamaria esikundhleni sabantwana baka Israeli, ba li fuya iSamaria, ba hlala emizini yalo.

25 Kwa ti ekuqaleni kokuhlala kwabo kona, a ba m esabanga uJehova: njalo uJehova wa tuma amabubesi pakati kwabo, a bulale abanye kubona.

26 Ngako ba suka ba kuluma enkosini ya seAsiria, ba ti, Izizwe o zi susileyo wa zi hlalisa emizini ya seSamaria, ka zi yazi imiteto ka Tixo wa lelozwe: ngako u wa tumile amabubesi pakati kwazo, bheka a zi bulala, ngokuba zi nga yazi imiteto ka Tixo wa lelozwe.

27 Njalo inkosi ya seAsiria ya yala, ya ti, Yisani kona omunye kubapristi ena ba susa kona, ma ka hambe a hlale kona, ma ka ba fundise imiteto ka Tixo wa lelozwe.

28 Weza omunye kubapristi aba be ba

susile eSamaria, wa hlala eBeteli wa ba fundisa ba m konze uJehova.

29 Kefa izizwe zonke za zenzela izitixozazo, za zi beka ezindhlini zezindawo ezipakamileyo, eza be zenziwe ngama-Samaria, izizwe zonke emizini lapo za zi hlezi kona.

30 Abantu ba seBabulona benza uSokotabeni, nabantu ba seKuta benza uNergali, abantu ba seHamati benza uAshima,

31 Naba seAva benza uNibhazi, noTartaka naba seSefarvami, ba tyisa izingane zabo emlilweni ukukonza uAdrameleka noAnamaleka, izitixo za seSefarva.

32 Ba be mesaba uJehova, ba zenzela ngabafokazi labo abapristi bezindawo ezipakamileyo, aba ba nikelela ezindhlini zezindawo ezi pakamileyo.

33 Ba mesaba uJehova ba dumisa izitixozabo njengemvelo yezizwe aba ba mukisa kuzo.

34 Ku ze ku be namhlanje ba yenza njengomkuba wokuqala, a ba mesabi uJehova, futi ka benzi njengomteto wabo na njengeziniso zabo, nanjengezimemezelo nemiyalo, uJehova a yi yalayo abantwana baka Jakobe yena lowo a m tayo uIsraeli.

35 uJehova wa be senzile isivumelwano nabo, wa ba yala, wa ti, Ni nga dumisi izitixozinye, ni nga zi kotameli pansi pambi kwazo, ni nga zi konzi ni nikele kuzo.

36 Kodwa uJehova, owa nenyusa ezweni lasEgipite ngamandhla amakulu na ngengalo eyelulekileyo, ma ni m esabe yena, ma ni m dumise ni m hlabele iminikelo.

37 Nemiteto, nezimiso, nezimemezelo, nemiyalo, a ni lobela yona; ni ya kukumbula nenze yona, izinsuku zonke; ni nga dumisi izitixozinye.

38 Isivumelwano enga senza nani, a ni yi kusikohlwa; a ni yi kudumisa izitixozinye.

39 Kodwa ni ya kumdumisa uJehova uTixo wenu; yena u ya kunikipa esandhlени sezita zenu zonke.

40 A ba lalalanga, benza kodwa njengemikuba yabo yokuqala.

41 Njalo izizwe lezi za m esaba uJehova, za dumisa nezitombe zabo ezibaziweyo, abantwana babo, nabantwana babantwana babo; njengaloko aba kwenzayo oyise babo, benza njaloke ku ze ku be namhlanje.

## ISAHLUKO 18.

KWA ti ngomnyaka wesitatu ka Hoshea indodana ka Ela inkosi yaba-Israeli, uHezekia indodana ka Abazi inkosi ya ba Juda wa qala ukubusa.

2 Ekuqaleni kwake ukubusa, iminyaka yake ya i ngamashumi amabili nesihlanu; wa busa iminyaka ya i ngamashumi amabili nesishiyagalolunye eJerusalem. Igama lika nina la li nguAbi indodakazi ka Zakaria.

3 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova; njengako konke a kwenzayo uyise uDavida.

4 Wa zi susa izindawo ezipakamileyo, wa casa izitombe, wa gaula uAshera, wa kanda inyoka yetusi a be yenzile uMosi; ngokuba kwa za kwa fika izinsuku lezo abantwana baka Israeli ba be sa tyisa impepo pambi kwayo, wa yi biza ngokuti uNehushatane.

5 Wa m etemba uJehova uTixo ka Israeli; njaloke ngasemva kwake kwa ye ku ngeko o njengaye kuwo onke amakosi abaJuda, na kuwo onke a nga pambili kwake.

6 Wa namatela kuJehova, ka pambukanga ekumlandeleni kwake, kodwa wa geina imiyalo yake, uJehova a m yalayo yona uMosi.

7 uJehova wa e naye; njalo wa sizeka ezindaweni zonke a pumela kuzo: wa hlubuka enkosini ya seAsiria, ka be sa yi konza.

8 Wa cita amaFilisti, kwa za kwa fika eGaza, nasemikaulweni yalo, kwa suka edokodweni labalindi, kwa za kwa semuzini o inqaba.

9 Kwa ti ngomnyaka wesine wenkosi uHezekia, ukuti umnyaka wesikombisa ka Hoshea indodana ka Ela, inkosi yaba Israeli, uShalmanesa inkosi ya seAsiria wa hlasela eSamaria, wa li haqa.

10 Ekuqaleni kweminyaka emitatu ba li nqoba: ngomnyaka wesitupa ka Hezekia ukuti umnyaka wesishiyagalolunye ka Hoshea inkosi yabaIsraeli, iSamaria la nqotywa.

11 Inkosi ya seAsiria ya mukisa aba-Israeli eAsiria, ya ba beka eHala, na seHabore, ngasemfuleni wa seGozana, na semizini yamaMidia:

12 Ngokuba be nga lalalanga izwi lika Jehova uTixo wabo, kodwa ba sapula isivumelwano sake, nako konke a kuyalayo uMosi inceku ka Jehova, ka ba vumanga ukulalela nokwenza loko.

13 Ngomnyaka weshumi nane we-

nkosi uHezekia, uSenakeribe inkosi ya seAsiria wa hlasela emizini yonke e biyiwe udonga ya kwa Juda, wa yi nqoba.

14 uHezekia inkosi yabaJuda wa tuma enkosini ya seAsiria eLakisha wa ti, ngonile kuwe: Buya kimi: loku o ya kungihlaulisa ngako, ngi ya kukuhlalula. Inkosi ya seAsiria ya m hlaulisa uHezekia inkosi yabaJuda ngamatalenta esiliva a ngamakulu amatatu, namatalenta egolide a ngamashumi amatatu.

15 uHezekia wa m nika imali yonke eya funyaniswa endhlini ka Jehova, na kuyo imfuyo yendhlu yenkosi.

16 Nga lesosikati uHezekia wa nquma izicaba zetempeli lika Jehova, nezinsika eza nanyatiselwa uHezekia inkosi yabaJuda, igolide lazo wa li nika inkosi ya seAsiria.

17 Inkosi ya seAsiria ya tuma uTartana noRabsarise noRabsheka ba vela eLakisha ba ya enkosini kanye nempi enkulu ukuhlasela kuHezekia eJerusalem. Ba kupuka ba ya eJerusalem. Se be fikile, beza, bema ngasemseleni wecibi eli ngasenhla, nga sendhleleni embiweyo ya sezweni lomgezi.

18 Se be yi bizile inkosi, kwa pumela kubo uEliakimu indodana ka Hilkia, yena o be linda indhlu; noShebna umlobi noJoa indodana ka Asafa umkumbuzi wezindaba.

19 uRabsheka wa ti kubo, a ke ni kulume noHezekia; ni ti, I ti inkosi enkulu, inkosi ya seAsiria, Itemba lini otemba lona?

20 Wena u ti, amazwi ako a ize kodwa, Ngi nalo icebo, ngi nawo amandhla ukulwa; kepa wetemba kubani loku u hlubuke kimi?

21 Impela, bhaka, u yetemba ku loludondolo lohlanga oluacekileyo, ukuti iEgipite, lona uma umuntu e simelela kulo, li ngene esandhleni sake, li m hlabbe: u njaloke yena uFaro inkosi ya sEgipite kubo bonke abametembayo.

22 Kodwa uma ni ti kimi, Si ya metemba uJehova uTixo wetu; a si uyena lowo, izindawo zake ezipakamileyo namalati ake a wa susile uHezekia, wa ti kubaJuda na kwaba seJerusalem. Ma ni dumise pambi kwa lehilati eJerusalem?

23 A ku ze u lwe nenkosi yami, inkosi ya seAsiria, ngi ya kukunika amahashi a izinkulungwane ezimbili, uma u namandhla ngokwako ukubeka abakweli kuwo.

24 Po, u ya kupendukisa kaujani ubuso benduna inye ezincekwi ezincane zenkosi yami, noko wetembe izinqola nabamahashi kulo iEgipite.

25 Se ngi kupukele yini ngapandhle kuka Jehova, ku lendawo ukuyicita na? uJehova wa ti, kimi, Kupukela ku lelozwe, u li cite.

26 Wa ti uEliakimu indodana ka Hilkia, noShebna, noJoa, kuye uRabsheka, a ke u kulume ezincekwi zoko ngolwimi lwamaSiria, ngokuba si ya lu zwa, u nga kulumi nati ngolwimi lwabaJuda ezindhlebeni zabantu abasodongeni.

27 Kodwa uRabsheka wa ti kubo, Inkosi yami i ngi tumile yini enkosini yako na kuwe ukuba ngi kulume lawamazwi? A i ngi tumanga yini ku lawamadoda a hleziyo odongeni, ukuba a dhle kanye nani amasimba awo, a puze umtyobingo wawo?

28 Njaloke uRabsheka wema wa memeza ngezwi elokulu, ngolwimi lwabaJuda, wa kuluma wa ti, Yizwani izwi lenkosi enkulu, inkosi ya seAsiria:

29 I ti inkosi ukuti, Ma ni nga kohliswa uHezekia: ngokuba a ka yi kuba namandhla ukunikipa esandhleni sayo;

30 Futi ni nga vuuyiswa uHezekia nemtembe kuJehova, e ti, Impela uJehova u ya kususindisa nokusindisa, lomuzi ka u yi kunikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

31 Ni nga m laleli uHezekia: ngokuba i ti inkosi ya seAsiria, Ma nenze isivumelwano nani ngesipo, ni pumele kimi, ni dhle nina bantu nonke isivine senu, nomkiwane wenu, ni puze nina nonke amanzi omtombo wenu:

32 Ngi ze ngi fike ngi ni yise ezweni eli njengalo izwe lakini, izwe eli nama-bele newaini, izwe eli nesinkwa nezivine, izwe eli namafuta emihlwati, nezinyosi, ukuba ni pile nina kahle, ni nga fi: ni nga m laleli uHezekia funa a ni kohlise, e ti, uJehova u ya kususindisa.

33 Izitixo ezinye zezizwe za zi kulula izwe lazo yini esandhleni senkosi ya seAsiria na?

34 Zi pi zona izitixo za seHamati, neza seArpade na? Zi pi izitixo za seSefavani neHena neIva? Konje zi sindisile abantu ba seSamaria esandhleni sami na?

35 Zi pi zona pakati kwezitixo zonke zezizwe, eza kipa izwe lazo esandhleni



sami, ukuba uJehova a li kipe iJerusalem esandhlени sami?

36 Keba abantu ba tula nje, ka ba m pendulanga ngaluto: ngokuba inkosi i bi yalile ukuti, Ni nga m penduli.

37 Njalo weza uEliakimu indodana ka Hilkia, o be miselwa indhlu, noShebna umbali, noJoa indodana ka Asafa umkumbuzi wezindaba, beza kuye uHezekia, izingubo zabo zi datyulwe, ba m landisa amazwi ka Rabsheka.

ISAHLUKO 19.

**K**WA ti inkosi uHezekia e ku zwa loku; wa hxebula izingubo zake, wambata indwangu yamasaka, wa ngena endhlini ka Jehova.

2 Wa tumela uEliakimu, o miselwa indhlu, noShebna umbali, nezikulu kubapristi, bambete indwangu yamasaka, ba ya kuIsaya umprofeti indodana ka Amozі.

3 Ba ti kuye, U ti uHezekia, namhla ku ngusuku losizi, nosuku lobuuzima, nosuku lokutukwa, ngokuba izingane se zi zile esizalweni, kodwa ka wako amaudhla ukubeleta.

4 Kungabe uJehova uTixo wako u ya kuzwa onke amazwi ka Rabsheka, yena o tunywa inkosi ya seAsiria, inkosi yake, ukutuka uTixo opilileyo; a m lahle ngamazwi a we zwileyo uJehova uTixo wako: a ku kulekele abaseleyo aba kona.

5 Njalo izinceku zenkosi uHezekia ze za kuIsaya.

6 uIsaya wa ti kuzo, Ni ya kukuluma enkosini yenu, ni ti, U ti uJehova, U ngesabiswa amazwi o we zwileyo ezi ngi tukile ngawo izinceku zenkosi.

7 Bheka, ngi ya kutuma umoya kuyena, u ya kuzwa izwi, a buyele ezweni lake; ngi za kumwisa ngenkamba ezweni lake.

8 Njalo uRabsheka wa buya wa yi fumana inkosi ya seAsiria i hlasela eLibna; ngokuba u be zwile ukuba i bi sukile eLakisha.

9 E se zwile ngaye uTirhaka inkosi ya seEtiopia, ukuti, Bheka, u se pumile ukulwa nawe; wa buya wa tuma izigijimi kuHezekia, e ti,

10 Ma ni tyo kuHezekia inkosi yabaJuda, ni ti, U nga kohliswa uTixo wako owetemba kuye, ngokuti, iJerusalem ka li yi kunikelwa esandhlени senkosi ya seAsiria.

11 Bhekake, u su zwile loko a kwe-

nzileyo amakosi a wa qeda emazweni onke, ukuba a wa qeda nya: po, wena u ya kusindiswa yini?

12 Izitixo zezizwe aba zi citayo obaba betu, za zi sindisa na? ukuti iGozana, neHarana, neRezepa, naba seEdene, ba be kona eTelasa.

13 I pi inkosi ya seHamati, nenkosi ya seArpade, nenkosi yomuzi wa seSefavani, iHena neIva?

14 uHezekia wa yamkela lenewadi esandhlени sesigijimi, wa yi funda: uHezekia wenyuka wa ya endhlini ka Jehova, wa yeneka pambi kuka Jehova.

15 uHezekia wa kuleka kuJehova wa ti, E Jehova Tixo ka Israeli, o hlezi pezu kwamakerubi, wena wedwa u ngu Tixo impela wemibuso yonke yomhlaba, wena wenzile izulu nomhlaba.

16 Jehova, tobela indhleba yako, u zwe: Jehova, bheka ngamehlo ako u bone: u zwe amazwi ka Senakeribe o m tumileyo ukutuka uTixo opilileyo.

17 Iqiniso Jehova, amakosi a seAsiria a citile izizwe namazwe azo.

18 Izitixo a zi ponsile emlilweni: ngokuba za zi nge sizo izitixi, kodwa zi ngunsebenzi wezandhla zabantu, umuti, namatye; ngako a zi qedile.

19 E Jehova Tixo wetu, ngi ku nxusa, u si sindise esandhlени sake, njalo imibuso yonke yomhlaba i ya kwazi, ukuba wena u nguJehova uTixo, wena wedwa.

20 uIsaya indodana ka Amozі wa tuma kuHezekia, wa ti, U ti uJehova uTixo ka Israeli, Loku o ku kulekile kimi ngaye uSenakeribe inkosi ya seAsiria, ngi ku zwile.

21 Nanti izwi a li shumayelayo uJehova ngaye; Intombi indodakazi ya seZioni i ku delile, i ku hlekile usulu; indodakazi ya seJerusalem i nikina ikanda layo kuwe.

22 Ubani o m tukileyo, ubani owa m galekisa na? Ubani u pakamisile izwi lako na, wa bheka ngamehlo ako pezulu? Kuye yena o yingwele ka Israeli.

23 Ngazo izigijimi zako u yi tukile iNkosi, u tyilo, ukuti, Ngobuniugi bezinqola zami ngenyukile ezintabeni ezipakamileyo ngapakati kweLebanoni; Ngi ya kugaula amasedari amade alo, namaberosha amahle alo, ngi ya kufika endaweni yokulala ekugcineni ehlatini lensimu yake.

24 Ngi mbile, ngi puzile amanzi a sezizweni, na ngezinyawo zami ngi tyisile yonke imifula ya seEgipite.

25 A ku zwanga yini kade ukuba nga kwenza loku na? na ngasendulo nga ku tyo? Kaloku ngenzile ukuze u cite imizi e biyiwe udonga i be amaqoqwana.

26 Ngako abakileyo kuyo a ba namandhla a incozana, ba te kexe, ba danile; ba be njengemfino ya sendhle, na njengotyani obuluhlaza, na njengesikotata opahleni lwezindhlu, na njengamabele etyazile e nga ka vutwa.

27 Kodwa ngi ya kwazi ukuhlala kwako, nokupuma kwako, nokungena kwako, nobujaka bako kimi.

28 Ngokuba ubujaka bako kimi nomsindo wako u zwakele ezindhlebeni zami, ngi ya kufaka udobo lwami emakaleni ako, netomu lami emlonyeni wako, ngi ze ngi ku buyise ngalendhlela oweza ngayo.

29 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe, Nga lomnyaka ku ya kudhliwa okumilayo ngokwako, na ngomnyaka wesibili okupumayo ngako; na ngomnyaka wesitatu tyalani, ni vune, tyalani isivini, ni dhle izitelo zaso.

30 Ku ya kuti abasindileyo bendhlu ka Juda, abaseleyo ba ya kubuya bandele pansi, ba hlanze izihlamvu pezulu.

31 Ngokuba ku ya kupuma eJerusalem abaseleyo nabasindileyo nga sentabeni ya seZioni: amandhla ka Jehova wamabandhla a ya kwenza loko.

32 Ngako u ti uJehova ngayo inkosi ya seAsiria, ukuti, Ka i yi ku ngena ku lomuzi, ka i yi kucibityela kona umcibityelo, ka-i yi kuza pambi kwawo nesihlangu, ka i yi kwenza iduli ku wona.

33 Ngendhlela e bi za ngaye, i za kubuya ngayo, ka i yi kungena kulomuzi, u tyo uJehova.

34 Ng i ya kumboza lomuzi, ngi wu sindise, ngenxa yami, na ngenxa ka Davida inceku yami.

35 Kwa ti nga lobubusuku ingelosi ka Jehova ya puma, ya bulala ekamu lama-Asiria abantu aba izinkulungwane ezi ikulu, namashumi a shiyagalombili nesihlanu: ekuvukeni kwabo kusasa bonke ba be izidumbu.

36 Njalo uSenakeribe inkosi ya seAsiria wa muka, wa pinda wa ya, wa hlala eNineva.

37 Kwa ti ekudumiseni kwake endhlini ka Nisroke isitixo sake, uAdrameleka noShareze amadodana ake a m gela ngenkamba, a baleka, a ya ezweni la seArate, uEsarhadona indodana yake wa busa esikundhleni sake.

ISAHLUKO 20.

NGA lezozinsuku uHezekia wa e gula wa e se za kufa. Weza kuye uIsaya indodana ka Amozi, umprofeti, wa ti kuye, U ti uJehova, Lungisa indhlu yako; ngokuba u su za kufa wena, a u yi kusinda.

2 uHezekia wa pendukisa ubuso bake ngasodongeni lwendhlu, wa kuleka kuJehova, wa ti,

3 E, Jehova ngi ya kumxusa u kumbule ukuba ngi hambile pambi kwako ngeqiniso na ngenhliziyo elungileyo, ngenzile okufaneleyo emehlweni ako. uHezekia wa kala ngokukala okukulu.

4 Kwa ti, uIsaya e nga ka pumi emuzini ongapakati, kweza kuye izwi lika Jehova, la ti,

5 Buyela kuHezekia, inkosi yabantu bami, u m tyele ukuti, U ti uJehova uTixo ka Davida uyihlo, Ngi ku zwile ukukuleka kwako, ngi zi bonile izinyembezi zako, bheka, ngi ya kukupilisa: ngosuku lwesitatu u za kwenyuka u ye endhlini ka Jehova.

6 Ng i ya kuzandisa izinsuku zako iminyaka e ishumi nesihlanu, ngi ya kukusindisa kanye na lomuzi esandhleni senkosi ya seAsiria; ngi ya kumboza lomuzi ngenxa yami na ngenxa ka Davida inceku yami.

7 uIsaya wa ti, Tabatani isigaxa somkiwane, Ba si tabata, ba si beka pezu kwetumba; wa sindake.

8 uHezekia wa ti kuIsaya, Si ya kuba njani isibonakaliso sokuti uJehova u ya kungipilisa, nokuba ngi ya kwenyuka ngi ye endhlini ka Jehova ngosuku lwesitatu na?

9 uIsaya wa ti, Nasi isibonakaliso u ya kusiboniswa uJehova, sokuti uJehova u ya kwenza leyonto a yi tyoyo; isitunzi si ya kuya ngapambili amabanga a ishumi na, noma si ya kubuya amabanga a ishumi na?

10 uHezekia wa pendula, wa ti, Ku yinto elula ukuba isitunzi sehle amabanga a ishumi; Ai, kambe, isitunzi na si buye amabanga a ishumi.

11 uIsaya umprofeti wa kuleka kuJehova, wa si buyisa isitunzi amabanga a ishumi, e be sehlike wona etyeni lika Abazi.

12 Nga lesosikati uBerodakabaladane, indodana ka Baladane inkosi ya seBabulona, wa tuma izinewadi nezipo kuHezekia: ngokuba e be zwile ukuba uHezekia wa e gula.

13 uHezekia wa ba lalela, wa ba bonisa indhlu yake yonke yokubekela, nesiliva, negolide, nezinise, namaka amahle, nayo yonke indhlu yezikali zake, nako konke okufunyanwa ezindhlini zemfuyo yake: kwa ku ngeko into endhlini yake na sembusweni wonke wake, e nga ba bonisanga yona.

14 Weza uIsaya umprofeti kuyo inkosi uHezekia, wa ti kuye, Abantu laba ba tini na? Ba velapi ukuza kuwe? uHezekia wa ti, Ba vela ezweni eli kude, eBabulona.

15 Wa ti, Ba bone ntoni na endhlini yako? uHezekia wa pendula, izinto zonke ezi kona endhlini yami ba zi bonile; a ku ko nto emfuyweni yami, e ngi nga ba bonisanga.

16 uIsaya wa ti kuHezekia, Yizwa izwi lika Jehova.

17 Bheka, zi yeza izinsuku oku za ku tatwa ngazo konke oku kona endhlini yako, nako loko aba ku bekeleyo oyihlo, ku ze ku be namhlanje, ku ya kuyiswa eBabulona; a ku yi kusala nanto, u tyo uJehova.

18 Na semadodaneni ako, a ya kupuma kuwe, a ya kuzalwa uwe, a ya kuswsa, a ya kuba kona ukutula neqiniso ezinsukwini zami na?

19 Wa ti uHezekia kuIsaya, Li lungile izwi lika Jehova, o li kulumileyo; Wa ti, A ku yi kuba kona ukutula neqiniso ezinsukwini zami na?

20 Imisebenzi eminye ka Hezekia, namandhla onke ake, nokuti wenza icibi, nomsele, wa ngenisa amanzi emuzini, ka ku lotyiwe yini enwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi aba-Juda?

21 uHezekia wa lala nokoko bake, uManasa indodana yake wa busa esikundhleni sake.

### ISAHLUKO 21.

**U**MANASA wa e neminyaka e ishumi nambili mzukwana wa qala ukubusa, wa busa iminyaka e ngamashumi amahlanu nanhlanu eJerusalema. Igame lika nina la li nguHepsiba.

2 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, ngenikuba emibi yezizwe a zi xotyayo uJehova pambi kwabantwana ba ka Israeli.

3 Ngokuba wa buya waka izindawo ezipakamileyo eza be zi citiwe nguyise uHezekia; wa misela uBali amalati, wenza umfanekiso ka Ashera, njengalo-

ko a kwenzayo uAhabi inkosi yabaIsraeli; wa dumisa ibandhla lonke la sezulwini, wa li konza.

4 Waka amalati na sendhlini ka Jehova, ngayo uJehova a be tyilo, eJerusalema ngi ya kubeka igama lami kulo.

5 Nga semagubini amabili endhlu ka Jehova wakela ibandhla lonke la sezulwini amalati.

6 Wa yi dhlulisa indodana yake emlilweni, wa geina izikati ezitile, wa kunkula, wa bula, wa misa izinyanga nezarusi, wenza okubi okuningi emehlweni ka Jehova, ukuba lu vute ulaka lwake.

7 Wa beka isitombe esibaziweyo sika Ashera a be senzile, endhlini ngayo uJehova u be tyilo kuDavida, na kuyo indodana yake uSolomona, ukuti, Kulendhlu, na seJerusalema engi li ketile kuzo zonke izizwe zabaIsraeli, ngi ya kubeka igama lami ku ze ku be ngunapakade.

8 Futi a ngi yi kupinda ngi zi dukise izinyawo zabaIsraeli ezweni enga li nika oyise; uma ba ya kugcina, benze konke engi ba yalile kona, na ngawo umteto, aba u yalwa inceku yami uMosi.

9 Kodwa ka ba lalalanga: uManasa wa ba pambukisa, benze okubi okukulu ku nazo izizwe a be zi citiwe uJehova ngapambi kwabantwana baka Israeli.

10 uJehova wa shumayela ngezinceku zake abaprofeti, wa ti,

11 Ngokuba uManasa inkosi yabaJuda wenzile imikuba leyo emibi, wenzile kabi ku nako konke a kwenzile ama-Amori, a ngapambili kwake, wenza aba-Juda bone ngezitixo zake.

12 Ngako u ti uJehova uTixo ka Israeli, Bhekake, ngi ya kuyisa eJerusalema na seJudia ukuhlupeka kokuti yena okuzwayo kona, izindhlebe zake zombili zi ya kukuceza.

13 Ngi ya kohula pezu kweJerusalema intambo ya seSamaria, nesilinganiso sendhlu ka Ahabi: ngi ya kusula iJerusalema njengokuba umuntu a sule isitya, a si sule, a si pendukezela.

14 Ngi ya kulahla abaseleyo befa lani, ngi ba nikele esandhleni sezita zabo; ba za kuba abokupangwa, abokutunjwa izita zonke zabo;

15 Ngokuba benzile kabi emehlweni ami, ba ngi vusela ulaka, iloku oyise ba puma Egipte, ku ze ku be namhlanje.

16 Futi uManasa wa li palaza igazi eli

nga nacala li vame kakulu, wa za wa gwalisa iJerusalema ku suka kwelinye icala kwa za kwa ba kwelinye icala; ngapandhle kokona kwake a beenza ngako abaJuda bone, ngokwenza kabi emehlweni ka Jehova.

17 Imisebenzi eminye ka Manasa, nokwenza konke kwake, nokona kwake, ona ngako, ka ku lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

18 uManasa wa lala nokoko bake, wa mbelwa ensimini yendhlu yake, ensimini ka Uza: uAmona indodana yake wa busa esikundhleni sake.

19 Ekuqaleni kwake ukubusa uAmona wa e neminyaka e ngamashumi amabili nambili, wa busa iminyaka emibili eJerusalema. Igama lika nina la li nguMeshulemeta, indodakazi ka Haruze, wa seJotba.

20 Wenza kabi emehlweni ka Jehova, njengoyise uManasa.

21 Wa hamba ngendhlela yonke uyise a be hambile ngayo, wa zi dumisa izitombe eza be zi duniyiswa uyise, ka hambanga endhleleni ka Jehova

22 Wa m shiya uJehova uTixo wa oyise bake; ka hambanga endhleleni ka Jehova.

23 Izinceku zika Amona zenza icebo kuye, za yi bulala inkosi endhlini yayo.

24 Abantu ba lelozwe ba bulala bonke abayihlubukayo inkosi uAmona; abantu ba lelozwe ba m misa uJosia indodana yake a be inkosi esikundhleni sake.

25 Imisebenzi eminye ka Amona a yenzayo, ka i lotyiwe yini enewadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

26 Wa mbelwa etuneni lake ensimini ka Uza: uJosia indodana yake wa busa esikundhleni sake.

### ISAHLUKO 22.

**E**KUQALENI kwake ukubusa uJosia wa e neminyaka e isishiyagalombili, wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nanye eJerusalema. Igama lika nina la li nguJedida, indodakazi ka Adaya wa seBoskata.

2 Wenza okufaneleyo emehlweni ka Jehova, wa hamba ngendhlela yonke ka Davida uyise, a ka pambukaanga ngakwesokunene na ngakwesokohlo.

3 Kwa ti ngomnyaka weshumi nashiyagalombili wenkosi uJosia, inkosi ya

m tunela uShafana indodana ka Azalia indodana ka Meshulamu umbali, ukuya endhlini ka Jehova, ya ti,

4 Kupuka u ye kuHilkia umpristi omkulu, a bale imali e yiswayo endhlini ka Jehova, eya butwa abalindi emnyango kubantu:

5 Ma ba yi nike esandhleni sabo abawenzayo umsebenzi, abamiselwe indhlu ka Jehova; ma ba kokele ngayo bona abasebenzayo umsebenzi o sendhlini ka Jehova, ukuze ku lungiswe izikala zendhlu.

6 Ababazi, nabaki, nabakayo ngamatye, nokutenga imiti, namatye abaziweyo, ukuba indhlu i lungiswe.

7 Kodwa a ba buzwanga ngemali e bikelwe esandhleni sabo, ngokuba ba sebenza bona ngokwesiminya.

8 uHilkia umpristi omkulu wa ti kuShafana umbali, Ngi yi fumene inewadi yomteto endhlini ka Jehova. uHilkia wa yi nika inewadi kuShafana, wa yi funda.

9 uShafana umbali weza futi enkosini, wa yi landisa umpendulo, wa ti, Izinceku zako se zi telile imali eya funyanwa endhlini, za yi nika ezandhleni zabasebenzayo, aba miselwe indhlu ka Jehova.

10 uShafana umbali wa bika enkosini, wa ti, uHilkia umpristi u ngi nikile inewadi, uShafana wa yi funda pambi kwenkosi.

11 Kwa ti inkosi i si zwile amazwi enewadini yomteto, ya zi hxebula izingubo zayo.

12 Inkosi ya yala uHilkia umpristi, noAhikamu indodana ka Shafana, noAkbora indodana ka Mikaia, noShafana umbali, noAsahia ineeku yenkosi, e ti,

13 Hambani ni buze kuJehova ngami na ngabantu, na ngabaJuda bonke; ngamazwi a kona ku lenewadi e funyenweyo: ngokuba lukulu ulaka lukaJehova olu vutayo kitina, ngokuba obaba betu be nga lalelanga amazwi a lenewadi, benze konke okulotyweyo ngati.

14 Njalo uHilkia umpristi, noAhikamu, noAkbora, noShafana, noIsaya, ba ya kuHulda unprofeti, unka Shaluma, indodana ka Tikva, indodana ka Harhase o geina izingubo (yena wa e hlala eJerusalema endaweni yesibili;) ba kuluma naye.

15 Wa ti kubo, U ti uJehova uTixo ka Israeli, Tyelani lomuntu oni tumileyo kimi, ni ti,

16 U ti uJehova, Bheka, ngi za kuzisa

ukuhlupeka kulendawo, na kubo abakileyo kuyo, amazwi onke a senewadini eya funyanwa iyo inkosi yabaJuda.

17 Ngokuba ba ngi shiyile, ba tyisa impepo kuzo izitixo ezinye, ukuba ba ngi vusele ulaka ngemisebenzi yonke yezandhla zabo, ngako ulaka lwami lu ya kuvuta kulendawo, ka lu yi kucitywa.

18 Kodwa ni ya kuti kuyo inkosi yabaJuda eni tumileyo ukubuza kuJehova, ukuti, U ti uJehova uTixo ka Israeli ngamazwi lawa o wezwileyo.

19 Ngokuba inhliziyi yako ya yi tambile, ngokuba u zitobisile pambi kuka Jehova, ekuzweni kwako loko enga ku tyoyo, nga lendawo, na ngabantu abakileyo kuyo, ukuti ba za kuba incitakalo, nokuqalekisa, wa hxebula namhla izingubo zako, wa kala pambi kwami, u ti uJehova, ngi ku zwile wena.

20 Bheka, ngako ngi ya kukuyisa koyihlo, u ya kumbelwa etuneni lako, ku tule: amehlo ako ka wa yi kubona ukuhlupeka konke engi ya kukuleta kulendawo. Ba yi buyisela inkosi lompendulo.

ISAHLUKO 23.

**I**NKOSI ya tuma, ya butela kuyo amalinga onke a seJuda, na seJerusalem.

2 Inkosi yenyuka, ya ya endhlini ka Jehova, kanye nabantu bonke ba kwaJuda nabantu bonke ba seJerusalem, nabapristi, nabaprofeti, nabantu bonke abancane nabakulu: ya funda ezindhlebeni zabo onke amazwi enwadi yesivumelwano e be i funyenwe endhlini ka Jehova.

3 Inkosi yema endaweni epakamileyo, yenza isivumelwano pambi kuka Jehova, ukulandela uJehova, nokugeina imiyalo yake, nemiteto yake, nezimiso zake, ngayo yonke inhliziyi na ngawo wonke umpefumlo, nokufeza amazwi esivumelwano a lotyiweyo ku lenewadi. Abantu bonke bema ngesivumelwano lesu.

4 Inkosi ya yala uHilkia umpristi omkulu, nabapristi bokwesibili, nabalinda emnyango, ukuba ba kipe etempeleli lika Jehova zonke izitya eza be zenzelwa uBali, noAshera, nebandhla lonke la sezulwini, wa zi tyisa ngapandhle kweJerusalem, emasimini a seKidroni, wa yisa imputyana yazo eBeti.

5 Ya susa abapristi bezitombe, a be ba misile amakosi abaJuda, ukuba ba tyise

impepo ezindaweni ezipakamileyo emizini ya kwaJuda, na sezindaweni za seJerusalem; nabatyisayo impepo kuBali, na selangeni, na senyangeni, na sezinkanyezini, na sebandhleni lonke la sezulwini.

6 Wa kipa umfanekiso ka Ashera endhlini ka Jehova, eJerusalem wa wu yisa emfuleni okutiwa iKidroni, wa wu tyisa emfuleni okutiwa iKidroni, wa wu kanda wa za wa ba imputyananje wa ponsa lemputyana ematuneni abantwana babantu.

7 Wa bidhliza izindhlu zamasodoma, eza zi ngasendhlini ka Jehova, lapo isifazana sa be salukela kona amatente ka Ashera.

8 Wa ba pumisa abapristi bonke ngasemizini yabaJuda, wa cita izindawo ezipakamileyo lapo abapristi ba be tyisile impepo, kwa suka eGaba kwa za kwa ba eBeresheba, wa bidhliza izindawo ezipakamileyo, za semasangweni okwa sekungeneni kwesango lika Joshua umbusi womuzi, ngasokohlo komuntu esangweni lomuzi.

9 Kodwa abapristi bezindawo ezipakamileyo be be nga kupuki ukuya elatini lika Jehova eJerusalem, kepa be be si dhla isinkwa esi nge namvubelo kubazalwane babo.

10 Wa cita iTofeta ela li semfundeni yabantwana baka Hinomi, ku nga bi kona muntu odhlulisayo nendodana yake nendodakazi yake emlilweni pambi kuka Moleki.

11 Wa susa amabashi a be nikile amakosi abaJuda kulo ilanga ekungeneni kwendhlu ka Jehova ngasegumbini lika Natanimeleka inceku, ela li ngapandhle, wa zi tyisa izinqola zelanga ngomlilo.

12 Namalati a be sopahlani pezulu kwendhlu ka Ahazi a be wenzile amakosi abaJuda, namalati a benziwe nguManasa ezigodhlweni ezimbili endhlini ka Jehova, inkosi ya wa bidhliza, ya ya kona, ya ponsa utuli lwawo emfuleni eKidroni.

13 Nezindawo ezipakamileyo eza zi kona pambi kweJerusalem, ngasokunene kwentaba yomnqumo, uSolomona inkosi yabaIsraeli, a yakela uAshterote, ububi bamaZidonia, noKemosha, ububi bamaMoabi, noMilkoma, ububi babantwana baka Amoni, inkosi ya qeda konke.

14 Ya bulala imifanekiso, ya ba gaula

oAshera, ya gewalisa izindawo zabo ngamatambo abantu.

15 Futi ilati ela li seBeteli, nendawo epakamileyo a be yenzile uJeroboamu, indodana ka Nebati, yena owonisa aba-Israeli, ilati lelo kanye nendawo epakamileyo ya yi bidhliza, ya yi tyisa lendawo epakamileyo, ya yi kanda ya za ya ba njengotuli, ya tyisa noAshera.

16 Ekubhekeni kwake uJosia, wa bona amatuna a e kona entabeni, wa tuma, wa wa kipa amatambo ematuneni, wa wa tyisa elatini, wa li bulala njengokutyo kuka Jehova, kwa memezelwa umuntu ka Tixo owa memezela lawamazwi.

17 Njalo wa ti, Insika leyo engi yi bonayo, i yini na? Abantu ba lomuzi ba m tyela ba ti, Ku ituna lomuntu ka Tixo, owa vela kwaJuda, owa shumayela lezozinto o zenzileyo kulo ilati la seBeteli.

18 Wa ti, M yekeni ma a nga tintwa muntu amatambo ake. Ngako ba wa yeka amatambo ake, kanye namatambo omprofeti owa vela eSamaria.

19 Futi nazo zonke izindhlu ezindaweni ezipakamileyo ezi semizini ya seSamaria, eza be zenziwa iyo inkosi yaba-Israeli ukuvusa ulaka luka Jehova, uJosia wa zi susa, wenza kuzo njengokwenza kwake konke a be kwenzile eBeteli.

20 Wa ba bulala bonke abapristi bezindawo ezipakamileyo emalatini, wa tyisa amatambo abantu pezu kwawo, wa buya wa ya eJerusalema.

21 Inkosi ya ba yala abantu bonke, ya ti, Yenzani ipasika lika Jehova uTixo wenu njengokuba ku lotyiwe encwadini ya lesisivumelwano.

22 Impela kwa be ku ngenziwanga ipasika elinye ngezinsuku zabahluli aba be hlulela aba-Israeli, na kuzo zonke izinsuku zamakosi aba-Israeli, namakosi abaJuda.

23 Kupela ngomnyaka weshumi neshiyagalombili wenkosi uJosia, kuwo la miswa lelipasika lika Jehova eJerusalema.

24 Futi izanusi, nezinyanga, nemifanekiso, nezitombe, nokubi konke kwa kona ezweni labaJuda, na seJerusalema, uJosia wa ku qeda ukuba a feze amazwi omiteto owa lotywa encwadini eya funyanwa uHilkia umpristi endhlini ka Jehova.

25 Ya yi ngeko ngapambili kwake

inkosi eya fana naye, eya buyela kuJehova ngenhliziyoyonke wayo, na ngompefumlo wonke wayo, na ngamandhila onke ayo, njengomteto wonke ka Mosi; futi ngasenva kwake ka i velanga inkosi e njengaye.

26 Kepa uJehova ka guqukanga olakeni lwake oluvutayo olukulu, ukutukutela kwake okwa vuta njalo kubaJuda ngenxa yokutukutela uManasa a be m tukutelisa ngako.

27 Wa ti uJehova, Ngi ya kususa abaJuda ngasebusweni bami, njengokuba ngi ba susile aba-Israeli, ngi ya kulahla lomuzi iJerusalema, engi wu ketile, nendhlu enga ti ngayo, Igama lami li ya kuba kona.

28 Imisebenzi eminye ka Josia, nako konke a kwenzayo, a ku lotyiwe yini encwadini yemisebenzi yemihla ngemihla yamakosi abaJuda?

29 Ngezinsuku zake uFaroneko inkosi ya sEgipite wenyukela ukulwa nenkosi ya seAsiria emfuleni uUfrate. Inkosi uJosia ya ya ukulwa naye, wa bulalwa eMegido, nxa i si m bonile.

30 Izineku zake za m twala, e file enqoleni, zi suka eMegido, za m yisa eJerusalema, za m mbela etuneni lake. Abantu bezwe ba m tata uJehoahazi indodana ka Josia, ba m gcoba, ba m misa a be inkosi esikundhleni sika yise.

31 Ekuqaleni kwake ukubusa uJehoahazi wa neminyaka e ngamashumi amabili nantatu; wa busa izinyanga zantatu eJerusalema. Igama lika nina la li nguHamutali, indodakazi ka Jeremia wa seLibna.

32 Wenza kabi emehlweni ka Jehova njengako konke aba be kwenzile oyise.

33 uFaroneko wa m bopa eRibla ezweni la seHamati, ngokuba wa e busa eJerusalema, wa telisa izwe amatalenta esiliva a ikulu netalenta legolide li linye.

34 uFaroneko wa misa uEliakimu indodana ka Josia, a be inkosi esikundhleni sika yise uJosia, wa mnta uJehoakimu, wa susa igama uJehoahazi; weza Egipite, wa fa kona.

35 uJehoakimu wa li nika isiliva negolide kuFaro; kolwa wa linganisa izwe ukuba li nike lemali kuFaro, njengomteto ka Faro; wa ba telisa abantu bezwe isiliva negolide, bonke njengokulinganisa kwake ukuba ba ku nike uFaroneko.

36 Ekuqaleni kwake ukubusa, uJehoa-  
akimu wa e neminyaka e ngamashumi  
amabili nesihlanu; wa busa iminyaka  
ya ishumi nanye eJerusalema. Igama  
lika nina la li nguZabuda, indodakazi  
ka Pedia wa seRuma.

37 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,  
njengako konke a ba be kwenzile oyise.

ISAHLUKO 24.

**E**MIHLENI yake wenyuka uNebu-  
kadnezari inkosi ya seBabulona,  
uJehoaakimu wa e inceku yake iminya-  
ka emitatu : ngasemva kwaloko wa buya  
wa m hlubuka.

2 uJehova wa tuma kuye amabuto  
amaKaledi namabuto amaSiria, nama-  
buto amaMoabi, namabuto abantwana  
baka Amoni, wa wa tuma kubaJuda  
ukubacita, njengezwi lika Jehova a li  
tyoyo ngezinceku zake abaprofeti.

3 Impela kweza loko ngezwi lika Je-  
hova ukuba ku vele kubaJuda loko,  
a ba suse ebusweni bake ngenxa yezono  
zika Manasa, njengako konke a be kwe-  
nzile.

4 Na ngenxa yegazi eli nge nacala,  
ngokuba wa be e gowalisile iJerusalema  
ngegazi eli nge nacala; loko a be nga  
tandi uJehova ukumtetelela.

5 Imisebenzi eminye ka Jehoaakimu,  
nako konke a kwenzayo, ka ku lotyiwe  
yini enwadini yemisebenzi yemihla  
ngemihla yamakosi abaJuda?

6 uJehoaakimu wa lala nokoko bake;  
uJehoyakina indodana yake wa busa  
esikundhlени sake.

7 Inkosi ya sEgipite a i pindanga i  
pume futi ngasezweni layo, ngokuba  
inkosi ya seBabulona, i bi tabatile ko-  
nke okwenkosi ya sEgipite, ku suke  
emfuleni ya sEgipite ku ze ku be ngase-  
mfuleni eUfrate.

8 Ekuqaleni kwake ukubusa uJehoya-  
kina, wa e neminyaka e ishumi nesishi-  
yagalombili, wa busa izinyanga ezintu-  
tu eJerusalema. Igama lika nina la li  
nguNehushata, indodakazi ka Elnatani  
wa seJerusalema.

9 Wenza kabi emehlweni ka Jehova,  
njengako konke a be kwenzile uyise.

10 Nga lesosikati izinceku zika Nebu-  
kadnezari inkosi ya seBabulona za vela  
ze za eJerusalema za li haqa.

11 uNebukadnezari inkosi ya seBabu-  
lona weza emuzini, izinceku zake za wu  
haqa.

12 uJehoyakina inkosi yabaJuda wa

puma wa ya enkosini ya seBabulona,  
yena, nonina, nezinceku zake, nezikulu  
zake, nababusi bake, inkosi ya seBabu-  
lona ya m bamba ngomnyaka weshiya-  
galombili wokubusa kwayo.

13 Wa pumisa kona imfuyo yonke ye-  
ndhlu ka Jehova, nemfuyo yendhlu ye-  
nkosi, wa zi hlahlale zonke izitya zego-  
lide a zenzayo uSolomona inkosi yaba-  
Israeli etempeleni lika Jehova, njengo-  
kutyo kuka Jehova.

14 Wa fudusa lonke iJerusalema, nazo  
zonke izikulu, nabo bonke abakulu em-  
pini, izinkulungwane ezi ishumi abapa-  
ngwayo, nazo zonke izihlakanipi, naba-  
kandi: a kwa shiywa nuuntu ngapa-  
ndhile kwabo abampofu babantu bezwe.

15 Wa m yisa uJehoyakina eBabulona  
kanye nonina wenkosi, nabafazi benko-  
si, izinduna zayo, nezikulu zezwe, wa zi  
mukisa eJerusalema wa zi yisa zi be izi-  
gqili eBabulona.

16 Nabantu bonke a ba ngamaqawe, a  
izinkulungwane ezi isikombisa, nezise-  
benzi, nabakandi aba inkulungwane  
abeqe ekulweni, laba ba fuduswa inkosi  
ya seBabulona, ba ba izigqili eBabu-  
lona.

17 Inkosi ya seBabulona ya misa  
uMatania uyisekazi a buse esikundhle-  
ni sake, wa guqula igama lake, wa muta  
uZedekia.

18 Ekuqaleni kwake ukubusa, uZede-  
kia wa e neminyaka e ngamashumi  
amabili nanye wa busa iminyaka e  
ishumi nanye eJerusalema. Igama lika  
nina la li nguHamutali, indodakazi ka  
Jeremia wa seLibna.

19 Wenza kabi emehlweni ka Jeho-  
va, njengako konke a be kwenzile uJe-  
hoyakina.

20 Ngokuba ngalo ulaka luka Jehova,  
loko kwa ku kona eJerusalema, na seJu-  
dia, wa za wa ba xotya ebusweni bake,  
uZedekia wa hlubuka kuyo inkosi ya se-  
Babulona.

ISAHLUKO 25.

**K**WA ti ngomnyaka wesishiyagalolu-  
nye wokubusa kwake, ngenyanga  
yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga,  
uNebukadnezari inkosi ya seBabu-  
lona weza, yena nempi yonke yake eJe-  
rusalema, wa zimisa kona, baka imibo-  
tyongo kona ezungezayo.

2 Umuzi wa wu haqiwe kwa za kwa  
ba umnyaka weshumi nanye wenkosi  
uZedekia.

3 Ngosuku lwesishiyagalolunye ngenyanga yesine, indhlala ya i nkulu emuzini; kwa ku ngeko ukudhla kubantu bezwe.

4 Umuzi wa wu fohlwa; amabuto a baleka ebusuku ngendhlela yesango pakati kwezindonga ezimbili ensimini yenkosi. AmaKaledi a be kona emuzini, a wu haqa; inkosi ya hamba ngendhlela ya seArabia.

5 Impi yamaKaledi ya landela inkosi, ya yi fumana ematafeni eJeriko, nayo yonke impi yayo ya hlakazeka.

6 Njalo ba yi bamba inkosi, ba yi yisa enkosini ya seBabulona eRibla, ba yi tela icala la yi lahla.

7 Ba bulala amadodana ka Zedekia pambi kwamehlo ake, ba kipa amehlo ka Zedekia, ba m boya ngamakatango etusi, ba m yisa eBabulona.

8 Ngenyanga yesihlanu, ngosuku lwe-sikombisa lwenyanga, ukuti ngomnyaka weshumi nesishiyagalolunye ka Nebukadnezari inkosi ya seBabulona, weza uNebuza-adana, induna yabalindi, incekukwenkosi ya seBabulona, weza eJerusalem.

9 Wa tyisa indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi, nduna zonke izindhlu za eJerusalem, nezindhlu zezikulu, wa zi tyisa ngomlilo.

10 Impi yonke yamaKaledi ya i kona, nenduna yabalindi, ya bidhliza utango lwa seJerusalem oluzungezayo.

11 Abantu abaseleyo emuzini, nabahlubukayo enkosini ya seBabulona, nokuseleyo kwesixuku, uNebuza-adana induna yomlindi wa ku fudusa.

12 Kodwa induna yabalindi ya shiya abampofu bezwe, ba be abalimi besivini, nezisebenzi.

13 Nezinsika zetusi eza zi kona endhlini ka Jehova; nezikondo, nolwandhle lwetusi olwa lu kona endhlini ka Jehova, amaKaledi a zi bulala, a tuta itusi lazo eBabulona.

14 Nezimbiza, namafosholo, nezicimo, nezinkozo, nezitya zonke zetusi aba be konza ngazo, a zi susa.

15 Nezipatumlilo, nezindiwana, nezintu zegolide egolideni, nesiliva esiliveni, induna yabalindi ya zi susa.

16 Izinsika ezimbili, ulwandhle lu be lunye, nezikondo a be zenzela indhlu ka Jehova uSolomona, itusi lezitya lezi la be li nge nako ukulinganiswa.

17 Ubude bensika inye ba bu amakubiti a ishumi nesishiyagalombili, inhlo-

ko pezu kwayo i be itusi; nobude benhloko leyo, ba bu ngamakubiti amata-tu, ya yi setyenzwa ngokusebenza okupanjaniweyo nerimoni pezu kwenhloko ngokuzungeza kwetusi, futi nensika yesibili ya yi njalo, i setyenzwe okupanjaniweyo.

18 Induna yabalindi ya m tata uSeraia umpri-sti omkulu, noZefania umpri-sti owesibili, nabatatu abalinda emnyango.

19 Na nga semuzini ya tabata umbusi owa miselwa amabuto nabantu aba isihlanu kwa ba be kona ebusweni benkosi, aba funyenwe emuzini, nombali wenduna yempi, owa mema abantu bezwe, nabantu aba ngamashumi atatisitupa kubantu bezwe ba be kona emuzini.

20 uNebuza-adana induna yabalindi wa ba tata bona laba, wa ba yisa enkosini ya seBabulona eRibla.

21 Inkosi ya seBabulona ya ba tyaya, ya ba bulala eRibla, ezweni la seHamati. Njaloke abaJuda ba mukiswa ezweni labo.

22 Abantu abaseleyo ezweni labaJuda, abashiywa nguNebukadnezari inkosi ya seBabulona, ya m misa uGedalia, indodana ka Ahikama, indodana ka Shefana, a buse bona.

23 Izinduna zonke zamabuto, nabantu bazo, se be zwile ukuba inkosi ya seBabulona i bi m misile uGedalia a buse, beza kuGedalia eMizpa, uIshmaeli indodana ka Netania noJohanani indodana ka Keria, noSeraia indodana ka Tanluma amNetofa; noJazania indodana yoMakati, bona nabantu babo.

24 uGedalia wa fungela labo, nabantu babo, wa ti, Ni ngesabi ukukonza amaKaledi, hlalani ezweni, ni konze inkosi ya seBabulona; ku za ku ba lungile kini loko.

25 Kwa ti ngenyanga yesikombisa, uIshmaeli indodana ka Netania indodana ka Elishama wenzalo yenkosi, nabantu aba ishumi zempi, eza a gele uGedalia wa za wa fa, nabaJuda namaKaledi a be kona naye eMizpa.

26 Ba suka abantu bonke abaneane nabantu, nezinduna zempi, ba ya Egipite ngokuba besaba amaKaledi.

27 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amata-tu nesikombisa wokubotywna kuka Jehoyakina inkosi yabaJuda, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lwenyanga olu ngamashumi amabili nesikombisa, uEvlimerodaki inkosi ya seBabulona



## I. IZIKRONIKE, 1.

ngomnyaka wa qala ukuba inkosi, wa pakamisa ikanda lika Jehoyakina inkosi yabaJuda, wa m kipa etilongweni.

28 Wa kuluma kahle naye, wa beka isihlalo sake sobukosi ngapezu kwesihlalo samakosi a ye naye eBabulona.

29 Wa kumula izingubo zetilongo, wa dhla ukudhla pambi kwake izinsuku zonke zokupila kwake.

30 Isabelo sokudhla sake sa si isabelo semihla yonke, eya nikwa iyo inkosi, ukuti izinsuku zonke zokupila kwake.

## INCWADI YOKUQALA

# YEZIKRONIKE.

### ISAHLUKO 1.

UADAMU, uSeti, uEnose,  
2 uKenani, uMahalalele, uJorede,  
3 uEnoke, uMetusela, uLameka,  
4 uNoa, uShemi, uHamu, uJafete,  
5 Amadodana ka Jafete; uGomere,  
uMagoge, uMadai, uJavane, uTubale,  
uMesheke, uTirase.

6 Amadodana ka Gomere, uAshikena-  
ze, uRifate, uTogama.

7 Amadodana ka Javane; uElisha,  
uTashishii, uKitime, uDodanime.

8 Amadodana ka Hamu; uKushe,  
uMizirami, uPuti, uKenani.

9 Amadodana ka Kushe; uSeba, uHa-  
vila, uSabta, uRania uSabteka. Ama-  
dodana ka Rama; uSheba, uDedane.

10 uKushe wa zala uNimrode: yena  
wa qala ukuba mkulu emhlabeni.

11 uMizirami wa zala uLudime, uAua-  
mime, uLehabime, uNaftuhime.

12 uPatrusime, noKasluhime, (aba ve-  
la ku yena amaF'ilisti,) amaKafto-  
rime.

13 uKenani wa zala uZidone izibulo,  
uHete.

14 uJebusi futi noAmori, noGirigasi,

15 noHivi, noAki, noSini.

16 uAvadi, noZemari, noHamati.

17 Amadodana ka Shemi; uElame,  
uAshuri, uAfaksade, uLude, uAramu,  
uUze, uHule, uGeteri, uMesheki.

18 uAfaksade wa zala uShela, uShela  
wa zala uEberi.

19 Ku Eberi kwa zalwa amadodana  
amabili: igama lenye uPelegi; ngokuba  
ezinsukwini zake izwe la datyulwa:  
igama lomfo wabo uJoktane.

20 uJoktane wa zala uAlmodade,  
uShefefo, uHazamaveti, uJera,

21 Naye uHadoramu, noUzale, no-  
Dikla,

22 NoEbali, noAbimeli, noSheba,

23 NoOfire, noHavila, noJobabe. Bo-  
nke laba ba be amadodana ka Joktane.

24 uShemi, uAfaksade, uShela,

25 uEberi, uPelegi, uReu,

26 uSerugi, uNahori, uTera,

27 uAbrama; oku tiwa Abrahamama.

28 Amadodana ka Abrahamama; uIsa-  
ka, uIshmaeli.

29 Laba izizukulwana zabo: Izibulo  
lika Ishmaeli, uNebajoti, we lanywa  
uKedari, noAdebeli, noMibesamu.

30 uMishema, uDuma, uMasa, uHada-  
di, uTema,

31 uJeturi, uNafishi, uKedema, Laba  
ba amadodana ka Ishmaeli.

32 Amadodana ka Ketura, o wesite-  
mbu sika Abrahamama: wa zala uZimrani,  
uJokshani, uMedani, uMidiani, uIshi-  
baki, uShua. Amadodana ka Jokshani;  
uSheba, uDedani.

33 Amadodana ka Midiani; uEfa,  
uEfera, uHanoki, uAbida, uElda. Bo-  
nke laba ba amadodana ka Ketura.

34 uAbrahamama wa zala uIsaka. Ama-  
dodana ka Isaka; uEsau, uIsraeli.

35 Amadodana ka Esau; uElifazi,  
uRuli, uJushi, uJalama, uKora,

36 Abantwana baka Elifazi; uTema-  
ni, uOmari, uZefo, uGatamu, uKenazi,  
uTimna, uAmaleki.

37 Amadodana ka Ruli; uNahati, uZe-  
ra, uShama, uMiza.

38 Amadodana ka Sira: uLotani,  
uShobali, uZiboni, uAna, uDishoni,  
uEzeri, uDishani.

39 Amadodana ka Lotani; uHori,  
uHemami: uTimna wa e udade wabo  
ka Lotani.

40 Amadodana ka Shobali; uAlvani,  
uManahate, uEbali, uShefo, uOnamu.  
Amadodana ka Ziboni; uAja, uAna.

41 Amadodana ka Ana; uDishoni. Amadodana ka Dishoni; uHemdani, uEshebeni, uTerani, uKerani.

42 Amadodana ka Ezeri, uBillhani, uZavana, uAkani. Amadodana ka Dishani; uUze, uArani.

43 Lawa amakosi abusa ezweni la se-Edomi, i nga ka biko inkosi pezu kwabantwana baka Israeli; uBela indodana ka Beori; igama lomuzi wake la li iDinhaba.

44 E se file uBela, kwa busa uJobabi indodana ka Zera ka Bozra endaweni yake.

45 E se file uJobabi, kwa busa uHushamu o wezwe lamaTemani endaweni yake.

46 E se file uHushamu, uHadadi indodana ka Bedadi, o wa tyaya amaMidiani etafeni la seMoabi, wa busa endaweni yake: igama lomuzi la li iAviti.

47 E se file uHadadi, uSaula wa se-Masreka wa busa endaweni yake.

48 E se file uSaula kwa busa endaweni yake uShauli wa seRehoboti ngasemfuleni.

49 E se file uShauli, kwa busa uBalahanani indodana ka Akebori endaweni yake.

50 E se file uBalabanani, kwa busa uHadari endaweni yake: igama lomuzi wake iPau; igama lomfazi wake la li uMehetabeli indodakazi ka Materedi, indodakazi ka Mezahabi.

51 Wa fa uHadari. Amakosi a seEdomi a njaloke; Inkosana uTimna, inkosana uAliva, inkosana uJeteti,

52 Inkosana uAholibama, inkosana uEla, inkosana uPiوني.

53 Inkosana uKenazi, inkosana uTemani, inkosana uMibezari.

54 Inkosana uMagedili, inkosana uIramu. Laba ba be amakosana a seEdomi.

### ISAHLUKO 2.

**A**MADODANA ka Israeli; uRubeni, uSimeoni, uLevi, uJuda, uIsakari, uZebuloni,

2 uDani, uJosefa, uBenjamini, uNaftali, uGadi, uAsheri.

3 Amadodana ka Juda; uEri, uOnani, uShela: laba abatatu ba zalwa indodakazi ka Shua wa seKenani. uEri owamazibulo kuJuda, wa e mubi ebusweni benkosi: ya m bulala.

4 uTama umalokazana wake wa m zalela uFarezi noZara. Onke amadodana ka Juda a ye isihlanu.

5 Amadodana ka Farezi; uHezroni, uHamuli.

6 Amadodana ka Zera; uZimri, uEtani, uHemani, uKalkole, uDara: ba be isihlanu kupela.

7 Amadodana ka Kami; uAkana umhlupi wabaIsraeli, o wona okuhlukanisiweyo.

8 Amadodana ka Etani; uAzaria.

9 Amadodana ka Hezroni, a wa zalayo; uJeramili, uRamu, uKelubai.

10 uRamu wa zala uAminadabi; uAminadabi wa zala uNashoni, induna yabantwana baka Juda;

11 uNashoni wa zala uSalmoni, uSalmoni wa zala uBoazi,

12 uBoazi wa zala uObedi, uObedi wa zala uJese,

13 uJese wa zala uEliab izibulo, uAbinadabi owesibili, uShama owesitatu,

14 uNataneli owesine, uRadai owesihlanu,

15 uOzemu owesitupa, uDavida owesikombisa:

16 Odade wabo uZeruia, uAbigaili. Amadodana ka Zeruia; uAbishai, uJoabi, uAsaheli, matatu.

17 uAbigaili wa zala uAmasa: uyise ka Amasa uJetro umIshmaeli.

18 uKalebi indodana ka Hezroni wa zala abantwana kuAzuba umkake, naku Jerioti: amadodana ake i lawa; uJesha, uShobabi, noArdoni.

19 Lapo e se file uAzuba, uKalebi wa tabata uEfrati owa m zalelwa uHuri.

20 uHuri wa zala uUri, uUri wa zala uBezalele.

21 Emva uHezroni wa nganwa indodakazi ka Makiri uyise ka Giladi owa m tata e neminyaka emashumi a isitupa. Wa m zalela uSegubi.

22 uSegubi wa zala uJaire owa be nemizi e amashumi amabili nantatu ezweni la kwa Giladi.

23 Wa tabata kubona iGeshuri neAramu nemizi ka Jaire, neKenati nemizi ya kubo, ukuti imizi e amashumi a isitupa. Yonke leyo ya ba e yamadodana ka Makiri uyise ka Giladi.

24 Lapo se e file uHezroni eKaleb-efrata, kona uAbia umka Hezroni wa zala uAshuri uyise ka Tekoa.

25 Amadodana ka Jeramili izibulo lika Hezroni; uRamu izibulo, noBuna, noOreni, noOzemu, noAhija.

26 uJeramili wa e nomfazi omunye igama lake uAtara; yena unina ka Onamu.

## I. IZIKRONIKE, 3.

27 Amadodana ka Ramu izibulo lika Jeramili; uMazi, uJamini, uEka.

28 Amadodana ka Onamu; uShamai, uJada. Amadodana ka Shimai; uNadabi, uAbisha.

29 Igama lomfazi ka Abisha uAbihaili, u yena owa m zalela uAbani noMolidi.

30 Amadodana ka Nadabi; uSelede, noApaimu: kepa wa fa uSelede e nge namutwana.

31 Amadodana ka Apaimu; uIshi. Amadodana ka Ishi; uSheshani, Abantwana baka Sheshani; uAhlai.

32 Amadodana ka Juda umfo wabo ka Shemai; uJetro noJonatani uJetro wa fa e nge namutwana.

33 Amadodana ka Jonatani; uPeleti, noZaza. Laba ba be amadodana ka Jeramili.

34 uSheshani wa e nge nabafana, amadodakazi kupela. uSheshani wa e nenceku umEgipite igama lake uJarha.

35 uSheshani wa m nikela uJarha o inceku yake indodakazi yake i be umfazi wake. Wa m zalela uAttai.

36 uAttai wa zala uNatani, uNatani wa zala uZabadi.

37 uZabadi wa zala uEflali, uEflali wa zala uObedi.

38 uObedi wa zala uJehu, uJehu wa zala uAzaria.

39 uAzaria wa zala uHelezi, uHelezi wa zala uEleasa.

40 uEleasa wa zala uSisamai, uSisamai wa zala uShaluma.

41 uShaluma wa zala uJekamia, uJekamia wa zala uElishama.

42 Amadodana ka Kalebi umfo wabo ka Jeramili; uMesha izibulo o wa uyise ka Zifi; namadodana ka Maresha uyise ka Hebroni.

43 Amadodana ka Hebroni; uKora, uTapua, uRekemu, uShema.

44 uShema wa zala uRahamu, uyise ka Jorkoamu: uRekemu wa zala uShamai.

45 Indodana ka Shamai; uMaoni: uMoani wa e uyise ka Betzuri.

46 uEfa isincinza sika Kalebi wa zala uHarani, noMoza noGazezi. uHarani wa zala uGazezi.

47 Amadodana ka Jadai; uRegemu uJotamu uGesham uPeleti uEfa uShafa.

48 uMaaka isincinzi sika Kalebi wa zala uSheba noTirhana.

49 Wa zala uShafa uyise ka Madmana noSheva uyise ka Makbena, noyise ka Gibea: indodakazi ka Kalebi uHaksa.

50 Amadodana ka Kalebi inzalo ka Huri izibulo lika Efrati; uShobali uyise ka Kijatijearimu.

51 uSalma uyise ka Betelehemu uHarefa uyise ka Betegada.

52 uShobali uyise ka Kijatijearimu wa e namadodana; uReaia nenxenye yaba seManaheti.

53 Abendhlu ka Kijatijearimu; amaItri, namaPuhli, namaShumati, namaMishraite: kwa vela ku bona amaZareati, namaEshtaulite.

54 Amadodana ka Salma; iBetelehemu neNetofati, Atarote indhlu ka Joabi, nenxenye yamaManaheti, namaZori.

55 Abendhlu yababali aba be hlezi eJabezi; amaTirati, amaShimeati, amaSukati. Laba ba amaKeni a vela ku Hemati uyise webandhla lika Rehabi.

## ISIAHLUKO 3.

**L**AWA amadodana kaDavida, a zalwa kuye eHebroni: izibulo uAmmoni, ngaye uAhinoami umJezrili; owesibili uDanyeli, ngaye uAbigaili umKameli:

2 Owesitatu, uAbsalomu indodana ka Maka indodakazi ka Talmi inkosi ya seGeshuri, owesine, uAdonija indodana ka Hagiti:

3 Owesihlanu, uShefatia ka Abitali: owesitupa, uIreamu ngoEgla umkake.

4 Lawa a isitupa a zalwa kuye eHebroni; wa busa kona iminyaka e isikombisa nezinyanga ezi isitupa: eJerusalemalema wa busa iminyaka emashumi matatu nantatu.

5 Laba aba zalwa kuye eJerusalemalema; uShamua, uShobabi, uNatani, uSolomona, mane, ka Batishua indodakazi ka Ammieli:

6 Futi uIbha, uElishama, noElifaleti,

7 uNoga, uNefegi, uJafia,

8 uElishama, uEliada, uElifaleti, isishiyagalolunye.

9 Laba bouke amadodana ka Davida, ngapandhle kwamadodana ezincinza noTama udade wabo.

10 Indodana ka Solomona kwa kuRehoboamu uAbia indodana yake, uAsa indodana yake, uJehoshafati indodana yake,

11 uJoram indodana yake, Ahazia, indodana yake, uJoashi indodana yake,

12 uAmazia indodana yake, uAzaria indodana yake, uJotamu indodana yake,

13 uAhazi indodana yake, uHezekia indodana yake, uManasa indodana yake,

14 uAmoni indodana yake, uJosia indodana yake.

15 Nanka amadodana ka Josia, izibulo uJohanani, owesibili uJehoakimu, owesitatu uZedekia, owesine uShaluma.

16 Amadodana ka Jehoakimu: uJekonia indodana yake, uZedekia indodana yake.

17 Amadodana ka Jekonia: uAsire, uSalitili indodana yake,

18 uMalkiramu njalo, noPedaia, noSheuaza, noJekamia, noHoshama, noNedabia.

19 Amadodana ka Pedaia kwa ku, uZerubabeli, uShimei: amadodana ka Zerubabeli; uMeshulama, uHanania, uShelomite udade wabo:

20 uHashuba, uOheli, uBerekia, uHasadia, uJushab-hesedi, isihlanu.

21 Amadodana ka Hanania: uPelatia, uJesaia: amadodana ka Refaia, amadodana ka Arnani, amadodana ka Obadia, amadodana ka Shekania.

22 Amadodana ka Shekania; uShemaia: amadodana ka Shemaia; uHattushe, uIgali, uBeria, uNearia, uShafati, isitupa.

23 Amadodana ka Nearia; uElioenai, uHezekia, uAzrikamu batlanu.

24 Amadodana ka Elioenai kwa ku, uHodaia, uEliashibe, uPelaia, uAkuba, uJohanani, uDalala, uAnani, isikombisa.

#### ISAHLUKO 4.

**A**MADODANA ka Juda: uFarezi, uHezroni, uKarmi, uHure, uShobali. uReaia indodana ka Shobali wa zala uJahati; uJahati wa zala uAlumai, noLahadi. Laba ba izindhlu zika Zorati.

3 Laba a baka uyise ka Etamu; uJezreli, uIshma, uIbdasha igama lika dade wabo la li uHazelelponi:

4 uPenueli uyise ka Gedori, noEzeri uyise ka Husha. Laba amadodana ka Hure, izibulo lika Efrata, uyise ka Betelahemu.

5 uAshuri uyise ka Tekoa wa e nabafazi ababili, uHela, noNara.

6 uNara wa m zalela uAhuzamu, uHefa, Temeni, uHahashitari. Laba ba amadodana ka Nara.

7 Amadodana ka Hela kwa ku uZereti, noJezoa, noEtnani.

8 uKozi wa zala uAnubi, noZobeba, nemizi ka Ahaleli indodana ka Harume.

9 uJabezi wa babazeka kunabafu wabo: unina wa biza igama lake uJabezi, e ti, ngokuba nga m zala ngi hlupeka.

10 uJabezi wa kuleka kuTixo ka Israeli, e ti, sengati u nga ngi busisa ngezi-buziso, u kulise izwe lami, nesandhla sako si be nami, u ngi geine ebubini, bu nga leti uhlupe kimi! uTixo wa m nika a ku celayo.

11 uKlube umfo wabo ka Shua wa zala uMeha, o wa e uyise ka Eshtoni.

12 uEshtoni wa zala uBetirafa, uPasea, uTehina uyise ka Inahashi. Laba ba amadoda ka Reka.

13 Amadodana ka Kenazi: uOtnieli, uSerafa: namadodana ka Otnieli; uHattati.

14 uMeonotai wa zala uOfra: uSeraia wa zala uJoabi, uyise wemfunda yase Karashimu; ngoba ba be izinyanga zokubaza.

15 Namadodana ka Kalebi indodana ka Jefuna: uIru, uEla, noNami: namadodana ka Ela, noKenazi.

16 Namadodana ka Jehaleli; uZifi, noZifa, uTiria, noAsareli.

17 Namadodana ka Ezra kwa ku uJetro, noMeredi, noEferu, noJaloni: wa zala uMiriamu, noShamai, noIshba uyise ka Eshtemoa.

18 Umkake uJehudija wa zala uJaredi uyise ka Gedori, noHeberu uyise ka Soko, noJekutieli uyise ka Zanoa. Lawa amadodana ka Bitia indodakazi ka Faro e ya tatwa Meredi.

19 Namadodana omkake uHodia udade waba ka Nahamu, uyise ka Keila umGami, noEshtemoa umMaakati.

20 Namadodana ka Shimoni kwa ku Amnoni, noRina, uBen-hanani noTiloni. Namadodana ka Ishi, kwa ku, uZoheti, noBen-zoheti.

21 Amadodana ka Shela indodana ka Juda kwa ku uEri uyise ka Leka, noLada uyise ka Maresha, nemizi yendhlu yabo a be luka ilineni eli kolekileyo, bendhlu ka Ashbea.

22 uJokimu, namadoda ka Kozeba, uJoashi, uSarafi, aba be nombuso eMoabi, uJashubilehemu. Loku kwa ku dala kodwa.

23 Laba ba be ababumbi, ba labo aba be hlala pakati kwezilimo nezintango: be hlala kona nenkosi emsebenzini wayo.

24 Amadodana ka Simeoni kwa ku uNemueli, uJamini uJaribi, uZeza noShauli:

25 uShaluma indodana yake, uMibesamu indodana yake, uMishema indodana yake.

26 Amadodana ka Mishema; uHamueli

indodana yake, uZaka indodana yake, uShimeyi indodana yake.

27 uShimeyi wa e namadodana a ishumi nesitupa namadodakazi a isitupa; kodwa abafu wabo be nge nabo abantwana abaningi, nemizi yabo yonke a yandanga, njenge kubantwana baka Juda.

28 Bahlala eBeresheba, eMolada, eHarzarshuali,

29 eBilha, eEzema, eToladi,

30 eBetule, eHorma na seZiklagi,

31 eBetmakaboti, neHezarsusa, eBetibirei, eSharaimi. Le ya i imizi yabo kwa ze kwa busa uDavida.

32 Nemizana yabo kwa ku, iEtamu, iAini, iRimmoni, iTosheni, iAshani, imizi e isihlanu:

33 Nayo yonke imizana yabo e ya zungeza nga kuyo lemizi, ku ze ku be eBali. Lezi izindawo zabo zokuhlala nezizukulwana zabo.

34 uMeshobabi, uJamleki, uJoshah indodana ka Amazia,

35 uJoeli, noJehu indodana ka Josibia, indodana ka Seraja, indodana ka Asieli,

36 uElioenai, uJakoba, uJeshohaia, uAsaia, uAdieli, uJesimieli, uBenaia,

37 uZiza indodana ka Shifi, indodana ka Aloni, indodana ka Jedaia, indodana ka Shimri, indodana ka She-  
maia;

38 Laba aba bizwa ngamagama abo ba be amakosana emizini ya kubo: indhlu ya oyise yanda kakulu.

39 Ba ya ngasekungeneni eGedore, kwa za kwa ba secaleni la sempumalanga lemfunda, be funa idhlelo lemihlambi yabo yezimvu.

40 Ba fumana idhlelo elihle, elilungileyo nezwe li banzi, li tule, ngokuhle; ngoba abaka Hamu ba hlala kona endulo.

41 Laba ababaliwe ngamagama ba fika ezinsukwini zika Hezekia inkosi ya kwa Juda, ba tyaya amatente abo nabafunyanwa kona, ba ba bulala nya ngalolosuku, ba se be hlala ezindhlini zabo ku ze ku be namhla: ngokuba kwa ku kona idhlelo lemihlambi yabo.

42 Abanye babo, amadodana ka Simeoni, amadoda a amakulu a isihlanu, a ya entabeni iSira, be nezinduna zabo uPelatia, uNcaria, uRefaia, uUzieli, amadodana ka Ishi.

43 Ba tyaya abaseleyo kumaAmaleki aba be sindile, ba hlala kona ku ze ku be namhla.

## ISAHLUKO 5.

**A**MADODANA aka Rubeni, izibulo lika Israeli (ngokuba wa e izibulo; kodwa, loku wa lona ukuko luka yise, ifa lake lokuzibula la dhliwa amadodana ka Josefa, indodana ka Israeli; a ka balwanga njengezibulo:

2 Ngokuba uJuda wa e mkulu kubafo wabo, nombusi omkulu wa vela kuye; kodwa ubuzibulo ba bu obuka Josefa):

3 Ngi ti, Amadodana aka Rubeni izibulo lika Israeli a be uHanoki, uPalu, uHezroni, noKami.

4 Amadodana aka Joeli, uShemaia indodana yake, uGogi indodana yake, uShimeyi indodana yake;

5 uMika indodana yake, uReaia indodana yake, uBali indodana yake;

6 NoBera o wa tunjwa uTilgatepilnesa inkosi ya seAsiria: Yena wa e inkosi kumaRubeni.

7 Nabazalwane bake, ngemindeni yabo, lapa ba balwa ngezizukulwana zabo, ba be uJehieli o inhloko, noZekaria.

8 Naye uBela indodana ka Azazi, indodana ka Shemaia, indodana ka Joeli o waka eAroeri, kwa za kwa fika eNebo naseBaal-meoni.

9 Na sempumalanga waka kwa za kwa ngena ehlane nga semfuleni uUfrate: ngokuba izinkomo zabo zanda ezweni la seGiladi.

10 Ezinsukwini zika Sauli ba lwa namaHagari, wona a bulawa ngesandhla sabo: ba hlala ematenteni abo ezweni lonke eli nga sempumalanga kweGiladi.

11 AbakwaGadi ba be hlezi malungana nabo, ezweni la seBashani, kwa za kwa ba eSalka:

12 uJoeli omkulu, noShafamu o wesibili, noJanai, noShafati eBashani.

13 Nabazalwane babo, ngezindhlu za oyise uMikaeli, noMeshulam, noSheba, uoJorai, noJakane, noZiha, noHeberu, aba isikombisa.

14 Lawa amadodana aka Abihaili, indodana ka Huri, indodana ka Jarao, indodana ka Giladi, indodana ka Mikaeli, indodana ka Jeshishai, indodana ka Jahdo, indodana ka Buzi.

15 uAhi indodana ka Abdieli, indodana ka Guni, inhloko yendhlu ya oyise.

16 Ba be hlala eGiladi, eBashani, nasemizini yalo, nasemizani yonke ya seSharoni, ekupumeni kwayo.

17 Bonke laba ba balwa emihleni ka Jotamu inkosi yakwa Juda nasemihleni ka Jeroboamu inkosi yakwa Israeli.

18 Amadodana aka Rubeni noGadi nenxenye yesizwe sika Manasa, amaqawe, a e namandhla ukupata isihlangu, nenkemba, nokucibityela ngoncibityelo, be hlakanipile empini, izinkulungwane ezi amashumi amane nane namakulu a isikombisa namashumi a isitupa, aba puma impi.

19 Ba lwa namaHagari, noJeturi, noNefishi, noNodabi,

20 Ba sizwa ekulweni nabo, naniaHagari a nikelwa esandhleni sabo nabo bonke a ba be nawo, ngokuba ba kala kuTixo empini, wa bezwa ngokuba ba betemba kuye.

21 Ba tumba izinkomo zabo, emakamelweni abo izinkulungwane ezi amashumi amahlanu, nasezimvini izinkulungwane ezi amakulu amabili namashumi a isihlanu, na sezinjomaneni izinkulungwane ezinbili, na sebantweni izinkulungwane ezi ikulu.

22 Kwa wa abaningi, be file ngokuba impi ya i eka Tixo. Ba hlala ezindaweni zabo ba za ba tunjwa.

23 Abenxenye yesizwe sika Manasa ba hlala ezweni; kwa qala eBashani kwa za kwa fika eBalhermoni na seSenire na sentabeni yase Hermoni ba be baningi.

24 Laba ba be izinhloko zezinhlu za oyise uEferi, uIshi, uElieli, uAzrieli, uJeremia, uHodavia, uJadieli, amaqawe a namandhla, abantu abadumileyo, izinhloko zezindhlu za oyise.

25 Bona kuTixo wa oyise, ba fisa izitixo zabantu ba lelozwe, uTixo a ba citayo pambi kwabo.

26 uTixo wakwaIsraeli wa vusa inhliziyi ka Puli inkosi yase Asiria, nenhliziyi ka Tilgatepilnesa inkosi ya seAsiria, wa ba tumba, amaRubeni namaGadi nenxenye yesizwe sika Manasa wa ba yisa eHala na seHabore naseHarana na semfuleni iGozana ku ze ku be namhla.

### ISAHLUKO 6.

**A**MADODANA aka Levi, uGershoni, uKohati, noMerari.

2 Namadodana aka Kohati; uAmramu, uIzhari, uHebroni, noUzieli.

3 Abantwana baka Amramu; uAroni, noMosi, noMiriamu. Amadodana ka Aroni futi; uNadabi, uAbihu, uEleazari, noItamari.

4 uEleazari wa zala uFinchasi, uFinchasi wa zala uAbishua,

5 uAbishua wa zala uBuki, uBuki wa zala uUzi,

6 uUzi wa zala uZerahia, uZerahia wa zala uMeraioti,

7 uMeraioti wa zala uAmaria, uAmaria wa zala uAhitubi,

8 uAhitubi wa zala uZadoki, uZadoki wa zala uAhimazi,

9 uAhimazi wa zala uAzaria, uAzaria wa zala uJohanani,

10 uJohanani wa zala uAzaria, (u yena o wa e feza umsebenzi wabapristi etempelini e lakiwa uSolomona eJerusalemia:)

11 uAzaria wa zala uAmaria, uAmaria wa zala uAhitubi,

12 uAhitubi wa zala uZadoki, uZadoki wa zala uShaluma,

13 uShaluma wa zala uHilkia, uHilkia wa zala uAzaria.

14 uAzaria wa zala uSeraia, uSeraia wa zala uJehozadaki,

15 uJehozadaki wa tunjwa, lapa uJehova wa tumba iJuda neJerusalemia ngesandhla sika Nebukadnezari.

16 Amadodana aka Levi; uGershomi, uKohati, noMerari.

17 Lawa amagama amadodana aka Gershomi; uLibni, noShimezi.

18 Amadodana aka Kohati, uAmramu, uIzhari, uHebroni, noUzieli.

19 Amadodana aka Merari; uMahli, uMushi. Le imindeni yabaLevi njengoyise babo.

20 Abaka Gershomi; uLibni indodana yake, uJahati indodana yake, uZimma indodana yake,

21 uJoa indodana yake, uIddo indodana yake, uZera indodana yake, uJeaterai indodana yake.

22 Amadodana aka Kohati; uAminadabi indodana yake, uKora indodana yake, uAsire indodana yake,

23 uElkana indodana yake, uAbiasafu indodana yake, uAsire indodana yake,

24 uTahati indodana yake, uUrieli indodana yake, uUzia indodana yake, uShauli indodana yake.

25 Amadodana aka Elkana; uAmasai, noAhimoti.

26 KuElkana: amadodana aka Elkana; uZofai indodana yake, noNahati indodana yake,

27 uEliabi indodana yake, uJerohamu indodana yake, uElkana indodana yake.

28 Amadodana aka Samueli; izibulo uVashni, noAbia.

## I. IZIKRONIKE, 6.

29 Amadodana aka Merari; uMahli, uLibni indodana yake, uShimei indodana yake, uUza indodana yake,

30 uShimea indodana yake, uHagia indodana yake, uAsaia indodana yake.

31 Laba ibo uDavida a ba misa pezu kwenkonzo yokuhlabelela endhlini ka Jehova, emva kokuba umpongolo u hlale.

32 Ba konza pambi kwendawo yokuhlala yetabanekele lenhlaugano ngokuhlabelela, wa ze uSolomona waka indhlu ka Jehova eJerusalema: konake benza umsebenzi wabo njengokuma kwawo.

33 Laba a ba bema nabantwana babo. Kumadodana a ba kwaKohati: uHemani umhlabeleli, indodana ka Joeli indodana ka Shemueli,

34 Indodana ka Elkana, indodana ka Jerohanu indodana ka Elieli, indodana ka Toa,

35 Indodana ka Zufa, indodana ka Elkana, indodana ka Mahati, indodana ka Amasai,

36 Indodana ka Elkana, indodana ka Joeli, indodana ka Azaria, indodana ka Zefania,

37 Indodana ka Tahati, indodana ka Asire, indodana ka Abiasafu, indodana ka Kora,

38 Indodana ka Izhari, indodana ka Kohati, indodana ka Levi, indodana ka Israeli.

39 Nomfo wabo uAsafa, o wa ema ngakwesokunene sake, uAsafa, indodana ka Berakia, indodana ka Shimea,

40 Indodana ka Mikaeli, indodana ka Baaseia, indodana ka Malkia,

41 Indodana ka Etni, indodana ka Zera, indodana ka Adaia,

42 Indodana ka Etani, indodana ka Zimma, indodana ka Shimei,

43 Indodana ka Jahati, indodana ka Gershomi, indodana ka Levi.

44 Abafo wabo amadodana ka Merari ba bema ngakwesokholo uEtani indodana ka Kishi, indodana ka Abdi, indodana ka Matuki,

45 Indodana ka Hashabia, indodana ka Amazia, indodana ka Hilkia,

46 Indodana ka Amzi, indodana ka Bani, indodana ka Shameri,

47 Indodana ka Mahli, indodana ka Mushi, indodana ka Merari, indodana ka Levi.

48 Abafo wabo futi abaLevi ba be miswe enkonzweni yonke yetabanekele lendhlu ka Jehova.

49 Kepa uAroni namadodana ake ba be nikela pezu kwelati lomnikelo wokutya, na pezu kwelati lempepo, ba be miselwe umsebenzi wonke wendawo e ingewele, noku hlaulela uIsraeli, nje ngako konke uMosi inceku ka Tixo a e ku yalézile.

50 Lawa amadodana ka Aroni; uEleazari indodana yake, uFinehasi indodana yake, uAbishua indodana yake,

51 uBuki indodana yake, uUzi indodana yake, uZerahia indodana yake,

52 uMeraioti indodana yake, uAmaria indodana yake, uAhitubi indodana yake,

53 uZadoki indodana yake, uAhimaazi indodana yake.

54 Lezi izindawo zokuhlala zamadodana ka Aroni zemindeni zaba kwa Kohati; ezinqabeni zabo emazweni abo: ngokuba inkato kwa ku nge zabo.

55 Ba ba nika iHebroni ezweni la kwa Juda, namazwana alo a nga kulo.

56 Kodwa amasimu omuzi nemizana yawo, ba yi nika uKalebi indodana ka Jefuna.

57 Amadodana ka Aroni ba wa nika imizi yaseJuda, e iHebroni, umuzi o inqaba, neLibna namazwana alo, neJatiri, neEshtemoa, namazwana ayo,

58 Nayo iHileni, namazwana alo, neDebiri namazwana alo,

59 NeAshani namazwana alo, neBethemeshi namazwana alo,

60 Nasesizweni sika Benjamin; iGeba namazwana alo, neAlemati namazwana alo, neAnatoti namazwana alo. Imizi yonke yabo ngemindeni yabo ya i yishumi nantatu.

61 Namadodana a ka Kohati, a e sele ngonindeni wa lesosizwe, a nikwa enxenyeni yesizwe, enxenyeni yesizwe sika Manasa, ngenkato, imizi e ishumi.

62 Namadodana a ka Gershomi ngemindeni yawo esizweni sika Isaka, na sesizweni sika Asheri, na sesizweni sika Naftali, na sesizweni sika Manasa eBashani, imizi e ishumi nantatu.

63 Amadodana aka Merari a nikwa ngenkato, ngemindeni yawo, esizweni sika Rubeni, na sesizweni sika Gadi na se sizweni sika Zebuloni, imizi e ishumi nambili.

64 Abantwana bakwa Israeli ba nika abaLevi lemizi namazwana ayo.

65 Ba ba nika ngenkato lemizi e bizwa ngamagama abo esizweni saba kwaJuda, na sesizweni saba kwaSimeoni, na sesizweni saba kwa Benjamin.

66 Na ba be sele bemindeni yaba kwa Kohati, ba be nemizi yamazwe abo esizweni sika Efraimi.

67 Ba ba nika imizi e izingaba, iShekemu entabeni iEfraimi namazwana alo; ba ba nika neGezeri namazwana alo,

68 NeJokmeamu namazwana alo, neBetihoroni namazwana alo.

69 NeAjalononi namazwana alo, neGatrimoni namazwana alo:

70 Enxenyeni yesizwe sika Manasa; iAneri namazwana alo, neBileamu namazwana alo, komndeni wabasalayo, ba kwa Kohati.

71 Amadodana a ka Gershomni a nikwa emndenini wexenye yesizwe sika Manasa, iGolani eBashani namazwana alo, neAstarote namazwana alo:

72 Nasesizweni sika Isaka; iKedeshi namazwana alo, iDaberati namazwana alo,

73 NeRamoti namazwana alo, neAneumu namazwana alo:

74 Esizweni sika Asheri; iMashali namazwana alo, neAbdoni namazwana alo,

75 iHukoki namazwana alo, iRehobi namazwana alo:

76 Na sesizweni sika Naftali iKedeshi eGalile namazwana alo, neHamoni namazwana alo, neKirjataimi namazwana alo.

77 Abanye abantwana baka Merari ba nikwa esizweni sika Zebuloni, iRimoni namazwana alo, iTabori namazwana alo:

78 Ngapesheya kweJordani nga seJeriko, nga sempumalanga kweJordani, ba nikwa esizweni sika Rubeni, iBezere ehlane namazwana alo, neJaza namazwana alo,

79 NeKedemoti namazwana alo, neMefati namazwana alo:

80 Esizweni sika Gadi; iRamoti eGiladi namazwana alo, neMahanaimi namazwana alo,

81 NeHeshboni namazwana alo, neJazeri namazwana alo.

#### ISAHLUKO 7.

**A**MADODANA aka Isakari, a be uTola, uPua, uJashube, noShimroni, e mane.

2 Namadodana ka Tola; uUzi, uRefaia, uJerieli uJamai, uJibsamu, noShe-mueli, izinhloko zendhlu ya oyise e nge ka Tola: a be amaqawe a namandhla

ezizukulwaneni zabo, umumo wabo ezinsukweni zika Davida wa u izinkulungwane ezi mashumi amabili nambili namakulu a isitupa.

3 Namadodana ka Uzi: uIzrahia: namadodana ka Izrahia; uMikaeli, uObadia, uJoeli, noIshia e isihlanu; onke a be amakosana.

4 Kanye nabo, kwa ku kona ngezizukulwana zabo, njengendhlu ya oyise, izigaba zamabuto, empi abantu aba izinkulungwane ezi mashumi amatatu nesitupa ngokuba ba be nabafazi nabantwana abaningi.

5 Nabafo wabo pakati kwemindeni yonke ka Isakari ba be amaqawe abantu aba namandhla be balwa bonke ngezizukulwane zabo, izinkulungwane ezi amashumi a shiyagalombili nesikombisa.

6 Amadodana aka Benjamini: uBela, uBekeri noJediale e matatu.

7 Namadodana ka Bela; uEzebone, uUzi, uUzieli, uJerimote, noIri amahlanu, izinhloko zendhlu ya oyise a ba namandhla, amaqawe; a balwa ngezizukulwane zabo, izinkulungwane ezi mashumi amabili nambili namashumi amatatu nane.

8 Namadodana ka Bekeri: uZemira, uJoashi, uElieza, uElieonai, uOmri, uJerimote, uAbia, uAnatoti noAlameti. Onke lawa amadodana ka Bekeri.

9 Umumo wabo ngezizukulwana zabo, ngokuzala kwabo izinhloko zendhlu za oyise amaqawe, a namandhla izinkulungwane ezi mashumi amabili namakulu amabili.

10 Namadodana aka Jediale; uBilhani: namadodana ka Bilhani uJushi, uBenjamini uEhudi uKenana, uZethane uTarshishi noAhishaha.

11 Onke lawa amadodana aka Jediale ngezinhloko za oyise, aba namandhla abamaqawe izinkulungwane ezi ishumi nesikombisa namakulu amabili amabuto a fanele ukuya empini.

12 noShupime noHupime abantwana ka Iri noHushime, amadodana ka Ahere.

13 Namadodana ka Naftali; uJazile, uGuni, uGezere, noShaluma, amadodana ka Bilha.

14 Namadodana ka Manasa uAsrieli a m zalayo kodwa owesitembu sake umArami wa zala uMakiri uyise ka Giladi;

15 uMakiri wa tatela uHupime no-



Shupime abafazi; igama lika dade wabo la li uMakiri negama lawesibili la li Zelofehade: uZelofehade wa e namadodakazi.

16 uMaakiri umka Makiri wa zala indodana wa biza igama lake ngokuti uPereshe: igama lomfo wabo la li uShereshe namadodana ake a be uUlamu noRakemu.

17 Namadodana aka Ulamu; uBedane. Lawa a be amadodana ka Giladi, indodana ka Makiri indodana ka Manasa,

18 Udade wabo uHammolekete wa m zala uIshode, uAbieza, noMahala.

19 Namadodana ka Shemida a be uAhiani uShekemi, uLikhi, noAniamu.

20 Namadodana ka Efraimi; uShutela uBerede indodana yake, uTahate indodana yake uElada, indodana yake noTahate indodana yake.

21 NoZabadi indodana yake, uShutela indodana yake, noEzere, noEleadi ababulawa abakwa Gati a ba be zelwe kulelozwi ngokuba ba behlile ukupanga izinkomo zabo.

22 uEfraimi uyise wabo wa lila ini-hla eminingi, ba ti abafu wabo beza ukumduduzo.

23 Lapo wa ya kumkake, wa kulelwa wa zala indodana, wa biza igama lake ngokuti uBeria ngokuba kwa konakele endhlini yake.

24 (Indodakazi yake ya i uShera o waka iBetihorani ela se zansi nela ngasendhla, neUzenshera.)

25 NoRefa wa e indodana yake noReshepa noTela indodana yake noTahane indodana yake.

26 uLadani indodana yake uAmmihudi indodana yake uElishama indodana yake.

27 uNuni indodana yake, noJoshua indodana yake.

28 Imfuyo yabo nendawo yabo yokuhlala kwa ku iBeteli nemizi yalo na ngasempumalanga iNaharane na ngasentyonalanga iGezeri, nemizi yalo neShekemi nemizi yalo, kulo iGaza nemizi yalo.

29 Nangasemacaleni abakwa Manasa, iBetshani nemizi yalo, eTahanaki nemizi yalo, eMegiddo nemizi yalo, iDore nemizi yalo; Kulezi zindawo kwa ku hlala aba kwa Josefa indodana kaIsraeli.

30 Amadodana aka Asheri; uImna, uIsua, uIshua, uBeria, noSera, udade wabo.

31 Namadodana aka Beria; uHeberu noMalkieli o nguyise ka Birzavite.

32 uHeberu wa zala uJaflete uShanere, uHotamu, noShua, udade wabo.

33 Namadodana aka Jaflete; uPasaka, uBimhale noAshvate. Laba ba ngabantwana baka Jaflete.

34 Namadodana aka Shameri, uAhi uRoga uJehuba noAramu.

35 Namadodana aka Helenu umfo wabo; uZofa, uImna, uSheleshe, noAmali.

36 Namadodana aka Zofa; uSua, noHarnefere, noShuali noBeri noImra.

37 uBezere, noHode, noShama, noShilsha, noIthrane noBeera.

38 Namadodana akaJetro; uJefuna, uPispa, noAra.

39 Namadodana aka Ula; uAra uHannieli noKezia;

40 Laba bonke aba kwa Asheri, izinhloko zendhlu ya oyise, abantu abaketiweyo, amaqawe a namandhla, izikulu zamakosana. Umumo ezizukulwaneni zabo aba be puma impi ukulwa wa u izinkulungwane ezi amashumi amabili nesitupa.

• ISIAHLUKO 8.

MANJE uBenjamini wa zala uBela izibulo lake, uAshbeli wesibili, uA-hara wesitatu,

2 uNoha wesine, uRafa wesihlanu.

3 Amadodana ka Bela kwa ku uAd-da, noGera, noAbihudi,

4 noAbishua, noNamani, noAhoa,

5 noGera, noShefufani, noHuramu.

6 Lawa amadodana ka Ehudi; Izikulu za oyise kwa ba be hlala eGeba, ba ba tumba ba ba yisa eManahate.

7 uNamani, noAhia, noGera, wa ba tumba; wa zala uUza, noAhihudi.

8 uShaharaimi wa zala abantwana ezweni lakwa Moabi, emva kokuba a ba suse; uHushimu noBara ba be abafazi bake.

9 Wa zala kuHodeshi umkake, uJobabi, noZibia, noMeshu, noMalkamu,

10 noJeuzi, noShakia, noMama. Lawa a be amadodana ake, izinhloko za oyise.

11 KuHushimu wa zala uAhitubi, noElpali.

12 Amadodana ka Elpali; uEba, noMishamu, noShamedi, a baka iOno, neLodi, nemizana yawo:

13 Njalo uBeria, noShema, aba be izinhloko za oyise kwa ba be hlala eAjalon, aba xotya abantu ba seGati:

14 uAhio, uShashaki, noJeremote,  
15 uZebadia, uAradi noAda,  
16 uMikaeli, uIspa, uJoha, amadodana ka Beria;

17 uZebadia, noMeshulama, noHezeki, noHeberu,

18 NoIshmerai, noJezlia, noJobabi, amadodana ka Elpaali;

19 uJakimi, uZikri, noZabdi,

20 uElienai, uZiltai, uElieli,

21 uAdaia, uBeraia, uShimrati, amadodana ka Shimhi;

22 uIspani, uHeberu, noElieli,

23 uAbdoni, uZikri, noHanani,

24 uHanania, uElami noAntotija,

25 uIfedeia, uPenueli, amadodana ka Shashaki;

26 uShamsherai, uSheharia, noAtalia,

27 uJaresia, uElia, uZikri, amadodana ka Jerohanu.

28 Laba ba be izinhloko za oyise, ngezizukulwana zabo, amakosana. Laba ba hlala eJerusalema.

29 Wa ti eGibeoni wa hlala uyise ka Gibeoni: igama lomkake kwa ku Maka:

30 Indodana yake izibulo uAbdoni, uZuri, uKishi, uBali, uNadabi,

31 uGedori, uAhio, uZaka.

32 uMikloti wa zala uShimea. \*Laba ba be hlezi nabazalwana babo eJerusalema, be bekene nabo.

33 uNeri wa zala uKishi, uKishi wa zala uSauli, uSauli wa zala uJonatani, noMalkishua, noAbinadabi, noEshbali.

34 Indodana ka Jonatani kwa kuMeribali: uMeribali wa zala uMika.

35 Amadodana ka Mika kwa ku uPitoni, uMeleki, uTarea, uAhazi.

36 uAhazi wa zala uJehoada; uJehoada wa zala uAlemeti, noAzmaveti, noZinri; uZinri wa zala uMoza,

37 uMoza wa zala uBinea: uRafa wa e indodana yake, uEleasa indodana yake, uAzeli indodana yake:

38 uAzeli e namadodana a isitupa, amagama awo i lawa, uAzrikamu, uBokeru, uIshmaeli, uShearia, uObadia, noHanani. Lawa amadodana ka Azeli.

39 Amadodana ka Esheki umfo wabo, kwa ku uUlamu izibulo lake, uJushi wesibili, uElifeleti wesitatu.

40 Amadodana ka Ulamu a e amaqawe a namandhla, a pata imicibityelo e namadodana amauningi, namadodana amadodana, ku ikulu namashumi a isihlanu. Bonke laba abamadodana ka Benjamini.

**B**ONKE abaIsraeli ba balwa; bheka, ba balwa enewadini yamakosi a kwa Israeli; Aba kwa Juda, ba tunjwa ba yiswa eBabulona ngezono zabo.

2 Kaloku abakileyo bokuqala a ba be kona emazweni abo, emizini yabo ba be abaIsraeli, abapristi, abaLevi, namaNetini.

3 NaseJerusalema kwa ku hlezi kubantwana baka Juda, na kubantwana baka Benjamini na kubantwana baka Efraimi noManassa,

4 uUthai indodana ka Ammihudi, indodana ka Omri indodana ka Imri indodana ka Bani, kubantwana baka Farezi, indodana ka Juda.

5 Na kuba Shiloni; uAsaia o wezibulo namadodana ake,

6 Na kumadodana aka Zera; uJueli nabafo wabo, be amakulu a isitupa namashumi a isishiyagalolunye.

7 Na kumadodana aka Benjamini: uSalu, indodana ka Meshulamu, indodana ka Hodavia, indodana ka Hasehua.

8 NoIbnea indodana ka Jerohanu, noEla indodana ka Uzi indodana ka Mikri noMeshulama indodana ka Shefatia indodana ka Ruli indodana ka Ibnija.

9 Nabafo wabo njengezizukulwana zabo be amakulu a isishiyagalolunye namashumi a isihlanu nesitupa. Onke lamadoda a be izikulu za oyise endhlini ya oyise.

10 Na kubapristi, uJedaia, noJehoiaribi noJakini.

11 NoAraria indodana ka Hilkia, indodana ka Meshulama indodana ka Zadoiki indodana ka Meraioti indodana ka Ahitubi, umbusi wendhlu ka Tixo.

12 uAaia indodana ka Jerohanu indodana ka Pasure indodana ka Malkija, noMasiyi indodana ka Adieli, indodana ka Jahzera indodana ka Meshulama indodana ka Meshilemiti indodana ka Imma.

13 Nabafo wabo, izinhloko zendhlu za oyise be izinkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isitupa; amadoda a namandhla emsebenzini wenkonzo yendhlu ka Tixo.

14 No kuba Levi; uShemaia indodana ka Hashube, indodana ka Azrikamu indodana ka Hashabia, kumadodana ka Merari,

15 NoBakbaka, noHereshe, noGalali

noMatania indodana ka Mika, indodana ka Zikri indodana ka Asafa.

16 NoObadia, indodana ka Shemaia, indodana ka Galali, indodana ka Jedtuni noBerekia indodana ka Asa, indodana ka Elkana o wa e hlala emizaneni yaba kwa Netofati.

17 Abalindi beminyango, ba be uShaluma, uAkube, uTalmoue, uAhimane nabafo wabo : uShaluma wa ye omkulu.

18 Wa e ma esangweni lenkosi sempumalanga kwa ze kwa ba ileso sikati : ba be abalindi beminyango emabutweni abakwa Levi.

19 uShaluma indodana ka Kore, indodana ka Ebiasafu indodana ka Kora, nabafo wabo, bendhlu ka yise, amaKorahi, ba be pezu komsebenzi wenkouzo, abalindi bamasango etabanekele : oyise ba be pezu kwebandhla lika Jehova, be abalindi bomnyango.

20 uFinehasi indodana ka Eleazari wa e umbusi pezu kwabo ngesikati esidhlulileyo, uJehova wa e naye.

21 uZekaria indodana ka Meshelemia wa e umlindi womnyango wetabanekele lenhlangano.

22 Bonke laba aba be ketwe ukuba ba be abalindi emasangweni ba be amakulu amabili neshumi nambili. Laba ba be balwa ngokuzalwa kwabo, emizini yabo, aba miswa uDavida noSamueli umbonisi emsebenzini wabo.

23 Ngako bona nabantwana babo ba be bheka amasango endhlu ka Jehova, indhlu yetabanekele, ngokulinda.

24 Emahlantotini omane kwa ku kona abalindi ngasempumalanga, entyonalanga, enyakato, na seningizimu.

25 Nabazalwane babo a ba be semizini yabo ba beza emva kwezinsuku ezi isikombisa izikati ngezikati kanye nabo.

26 Ngokuba laba abaLevi abalindi abakulu abane ba be emsebenzini wabo, be pezu kwezindhlu zempahla yendhlu ka Jehova.

27 Ba lala ngapandhle kwendhlu ka Tixo ngokuba ukuyilinda kwa ku okwabo; nokuyivula ekuseni imihla yonke.

28 Naba kubo ba be linda izitya zokonzakona; ukuzikipa, nokuzingenisa zi balive.

29 Nabanye bakubo ba miswa uku bonisa izitya nezinto zonke zetabanekele nenipupu ecekileyo, newini, nama-futa, nenhlaka, namaka.

30 Nabauye kumadodana abapristi, beza amafuta okugeoba ngamaka.

31 uMatitia, omunye wabaLevi izibulo lika Shaluma umKorahi, e tembekile, wa e pezu ko kwa kosiwa ngezityana ezibanzana.

32 Nabanye kubafo wabo, kumadodana aka Kohati, ba be pezu kwezinkwa zokubhekwa, ukuzilungisa amasabata onke.

33 Laba bahlabeleli izikulu za oyise kubaLevi ba be hlala emakamielweni, be kululekile ngokuba ba be miselwe lomsebenzi imini nobusuku.

34 Lezizikulu za oyise babaLevi za zi izinhloko ezikulwaneni zabo, za hlala eJerusalem.

35 Kwa ku hlala eGibeoni uyise ka Gibeoni uJehieli, igama lomkake la li uMaka.

36 Indodana yake yezibulo, uAbdoni, noZuri, noKishi, noBali, noNeri, noNadabi.

37 noGedori, noAhio, noZekiria, noMikloti.

38 uMikloti wa zala uShimeame. Nabo ba be hlala, nabazalwane babo eJerusalem, ma lungana nabafo wabo.

39 uNeri wa zala uKishi, uKishi wa zala uSauli, uSauli wa zala uJonatani, noMelkisia, noAbinadabi, noEsh-bali.

40 Indodana ka Jonatani kwa ku uMeribali : uMeribali wa zala uMika.

41 Amadodana ka Mika kwa ku uPitoni. uMeleki, uTahrea, noAhazi.

42 uAhazi wa zala uJara, uJara wa zala uAlemeti, uAzmarveti, noZinri; uZinri wa zala uMoza.

43 uMoza wa zala uBinea, noRefa, indodana yake, uEleasa indodana yake, noAzeli indodana yake.

44 uAzeli wa e namadodana i isitupa amagama awo i lawa, uAzrikamu, uBokeru, uIshmaeli, uSheria, uObadia, noHanani : Lawa amadodana ka Azeli.

#### ISAHLUKO 10.

**A**MAFILISTI a lwa noIsraeli, abakwa Israeli ba baleka pambi kwamaFilisti ba wa be gwazwa entabeni iGilboa.

2 AmaFilisti a landela uSauli namadodana ake, a qinisa, a ti ne; amaFilisti a bulala uJonatani, noAbinadabi, noMalkishua, amadodana aka Sauli.

3 Ukulwa kwa ba lukuni uSauli wa funyaniswa abacibityelo, wa tutumela ngabacibityelo.

4 uSauli wa ti kumpati wezikali zake Kipa inkemba yako u ngi gwaza ngu-

yo, funa laba abangasokile beze ba ngi gwaze, kodwa umpati wezikali zake wala ngokuba wesaba kakulu: uSauli wa i tabata inkemba wa wela kuyo.

5 Umpati wezikali zake wa bona uku-ba uSauli u file wa wela kuyo inke-mba naye, wa fa.

6 uSauli wa fa namadodana amatatu ake nendhlu yonke yake ya fa kanye kanye.

7 Abakwa Israeli bonke aba be se-mfundeni ba bona ukuba ba balekile, noSauli u file namadodana ake, ba i shiya imizi yabo, ba baleka, amaFilisti eza a hlala kuyo.

8 Kwa ti ngangomso, e se fikile ama Filisti ukuhlubula ababuleweyo, a m fumanisa uSauli namadodana ake e wile entabeni eGilboa.

9 Ba m hlubula, ba tabata ikanda lake, ba li tumela kanye nezikali zake ezweni lamaFilisti indawo yonke, ukubikela izitixo zabo nabantu.

10 Ba zi beka izikali zake endhlini ye-zitixo zabo, ba lu betela ukakayi lwake endhlini ka Dagoni.

11 Kwezwakala kulo lonke iJabesh-Giladi konke okwenzwa amaFilisti ku-Sauli.

12 Besuka, abanamandhla, ba tabata isidumbu sika Sauli nezidumbu zama-dodana ake, ba zi zisa eJabeshi, ba wambela amatambo abo pansi komala eJabeshi, be zila ukudhla izinsuku ezi-sikombisa:

13 uSauli wa fa ngokona kwake e kwenza kuJehova, ngelizwi lika Jehova a lapulayo, ngokucela isanusu, ukuba si m buzela;

14 A ka buzanga kuJehova: ngako wa m cita, wa pendulela umbuso kuDavida indodana ka Jese.

### ISAHLUKO 11.

**A**BAKWA Israeli bonke ba butana kuDavida eHebroni be ti, Bheka, tina si itambo lako, nenyama yako.

2 Na ngapambili, uSauli e se inkosi, uwena o wa ba hola abaIsraeli eku-pumeni kwabo, nasekubuyeni kwabo, uJehova uTixo wako wa ti kuwe, wo balusa abantu bami abaIsraeli, wo ba inkosi pezu kwabantu bami abaIsraeli.

3 Aba izikulu baka Israeli beza enko-sini eHebroni, uDavida wa senza isi-vumelwano kanye nabo, be kona eHe-broni pambi kuka Jehova, ba m misa

uDavida pezu kwabaIsraeli njengeli-zwi lika Jehova ngo Samueli.

4 uDavida, nabaIsraeli bonke, ba ya eJerusalema e li iJebusi ezweni ama-Jebusi a hlala kulo.

5 AmaJebusi a ti kuDavida a u so ze wa ngena lapa; uDavida wa tabata inqaba ya seZioni yona u ngumuzi ka Davida.

6 uDavida wa ti, onqobayo amaJebusi kuqala u ya kuba umkulu a be induna empini: uJoabi indodana ka Zerua wamlulela ukukupuka wa miswa a be mkulu.

7 uDavida wa hlala enqabeni ngako kwa tiwa umuzi ka Davida.

8 Waka umuzi kona, u suka eMilo wa zungeza; inxenye e seleyo yomuzi ya lungiswa uJoabi.

9 uDavida wa kula njalo njalo, uJehova wamabandhla wa e naye.

10 Laba, izikulu zamaqawe aka Da-vida aba bambelele kuye embusweni wake nabaIsraeli bonke ukumenza a be inkosi ngezwi lika Jehova kuIsraeli.

11 Lo u umumo wabanamandhla baka Davida, uJashobamu indodana ka Hak-moni yena wa be mkulu pakati kwe-zinduna zake, wa pakamisa umkonto wake kwabamakulu amatatu, wa ba bulala ngesikati si sinye.

12 Wa landelwa uEleazari indodana ka Dodo umAholi wa e ngomunye waba-namandhla amatatu.

13 Wa be naye uDavida ePasdammi-mi; amaFilisti a butana kona ukulwa; kwa ku kona indima, e gewele ibarle, abantu ba baleka pambi kwamaFilisti:

14 Bema pakati kwendima ba i vi-kela, ba bulala amaFilisti, ba piwa uJehova ukusindiswa okukulu.

15 Abatatu kwaba izikulu ezi ma-shumi amatatu behlela kuDavida edwa-leni emhumeni wa seAdulamu, ikamu lamaFilisti la semfundeni yamaRafa.

16 uDavida wa e senqabeni; ikamu lamaFilisti la li seBetlehema:

17 uDavida wa fisa, wa ti, ngi nga puziswa ubani amanzi omtombo wa seBetlehema o sesangweni na?

18 Laba abatatu ba dabula impi yama-Filisti, baka amanzi emtonjeni wa se-Betlehema o sesangweni ba wa tabata ba wa zisa kuDavida, kodwa uDavida wala ukuwapuzwa, wa wa telela uJehova.

19 Wa ti, Tixo wami ma ku nga bi ko ukuba ngenza loku, ngi nga puza igazi la lababantu abacityu ukufa na? ngo-

kuba ba wa leta ngokudela ukupila kwabo a ka vumanga uku wa puza. Laba aba izikulu abatatu benze loku.

20 uAbishai umfo wabo ka Joabi wa e mkulu ku laba batatu, wa pakamisa umkonto wake kwaba makulu amatatu, wa ba bulala, wa e negama pakati kwa-batatu.

21 Kubo bobatatu, wa e nodumo, ku nababili, wa e induna yabo, kodwa a ka fikelanga kwa batatu bokuqala.

22 uBenaia indodana ka Jehoida indodana yomuntu o iqawe o wa vela eKab-zeli odhlulayo emisebenzini, wa bulala ababili baka Arieli wa seMoabi, futi wehla, wa bulala ibubesi li semgodini, ngosuku luka ngqoqwane.

23 Wa bulala umEgipite umuntu omude, e namakubiti amahlanu; kwa ku kona esandhlani somEgipite unkonto o ngangoti lomaluki; Wehlela kuye e nenduku nje, wa hlwita umkonto esandhlani somEgipite, wa m gwaza ngomkonto wake.

24 Loku kwenziwa uBenaia indodana ka Jehoida wa e negama kumaqawe amatatu:

25 Bheka wa e nodumo kwaba mashumi amatatu kodwa a ka fikelanga kwa-batatu, uDavida wa m misa pezu kwezindana zake.

26 Aba amaqawe empini ba be uAsaheli umfo wabo ka Joabi uElhanani indodana ka Dodo wa seBetlehema.

27 uShamote, umHarori, uHelezi, umPeloni,

28 uIra indodana ka Ikeshi, umTekoi, uAbieza, umAnetoti,

29 uSibekai, umHushati, uIlai, umAhohi,

30 uMaharai, umNetofati, uHeledi indodana ka Baana, umNetofati,

31 uItai indodana ka Ribai wa seGibea, e lamadodana ka Benjamini, uBenaia umPiratonii,

32 uHurai, wa seNahale-gashi, uAbieli, umArbati,

33 uAzmaveti umBaharumi, uEliaba umShalboni,

34 Amadodana ka Hasheme umGizoni, uJonatani indodana ka Shage umHarari,

35 uAhihamu indodana kaSaka umHarari, uElifaleti indodana ka Uri,

36 uHeferi umMekerati, uAhija umPeloni,

37 uHezro umKameli, uNarai indodana ka Ezbai,

38 uJoeli umfo wabo ka Natani, uMibha indodana ka Hageri,

39 uZelesi umAmoni, uNahari, umBeroti, umpati wezikali ka Joabi indodana ka Zerua,

40 uIra umItri, uGarebi umItri,

41 uUriumHiti, uZabade indodana ka Ahlai,

42 uAdina indodana ka Shiza umRubeni induna yamaRubeni, be naye abamashumi amatatu.

43 uHanani indodana ka Maka, uJoshafati umMithni,

44 uUzzia umAshterati, uShama noJehieli amadodana ka Hotamu, umAroeri,

45 uJediale indodana ka Shimri, noJoha umfo wabo umTizi,

46 uElieli umMahavi, uJeribai, noJoshavia, amadodana ka Elnami, noItma, umMoabi,

47 uElieli, uObedi, noJasieli, umMesobi.

#### ISAHLUKO 12.

**L**ABA abeza kuDavida eZiklagi, e sa valelwe ngenxa ka Sauli indodana ka Kishi: Ba be pakati kwamaqawe, be abasizi empini.

2 Be hlomile imicibityelo be namandhla ukupata ngezandhla zombili e sokunene nesokohlö, amatye nezinti zomecibityelo, kubazalwane baka Sauli wa seBenjamini.

3 Emkulu uAhieza noJoashi amadodana ka Shema umGibeati, noJezrieli, noPelete amadodana ka Azmaveti noBeraka, noJehu, umAntoti.

4 NoIsmaya umGibeoni iqawe pakati kwaba amashumi amatatu, e pezu kwa-ba amashumi amatatu, noJeremia noJahazieli noJohanani noJozabade umGenerati.

5 uEluzai, noJerimote, noBealia, noShemaria, noShefatia umHarufi.

6 noElkana, noJesia, noAzarali, noJoeza, noJashobamu amaKori.

7 uJoela, noZebadia, amadodana ka Jerohamu wa seGedori.

8 KumaGadi kwa butana kuDavida enqabeni ehlane, abantu abanamandhla bokulwa, abafanele impi, aba nga pata izihlangu nemikonto, aba be nobuso obu njengobamabubesi, be njengamaula a sezintabeni ngejubane.

9 uEzeri owokuqala, uObadia wesibili, uEliabi wesitatu,

10 uMishmana wesine, uJeremia wesihlanu.

11 uAttai wesitupa, uElieli wesikombisa,

12 uJohanani wesishiyagalombili, uElzabadi wesishiyagalolunye,

13 uJeremia weshumi, uMakbanai weshumi nanye.

14 Lawa amadodana ka Gadi izinhloko zebuto, omncinyane wa e pezu kwekulu, omkulu e pezu kwenkulungwane.

15 Laba ibo aba wela iJordanu ngenyanga yokuqala loku la li gewele li pupumela ngapandhle; ba xotya bonke aba sezimfundeni ngasempumalanga na ngasentonyalanga.

16 Kweza abakwaBenjamini nabakwaJuda kuDavida enqabeni.

17 uDavida wa puma pambi kwabo, wa pendula, wa ti kubo, uma ni ze ngokutula kimi ukungisiza inhliziyi i ya kubonga neyenu kodwa uma ni ze ukunginikela eziteni zani, loku kungeko ukona ezandhleni zani, uTixo wa obaba betu ma ku bheke a ku lungise.

18 Umoya wa fika ku Amasai, induna yamashumi amatatu, wa ti, si nga bako Davida si nawe wena ndodana ka Jese: ukutula, ukutula ma ku be kuwe, nokutula ku be kubasizi bako, ngokuba u sizwa uTixo wako. uDavida wa bamkele, wa benza izinduna zesigaba.

19 Kwa fika abanye kwabakwaManasa kuDavida lapo e za namaFilisti kuSauli ukulwa: kodwa a ba sizanga; ngokuba amakosi anaFilisti ngokuqonda a ni mukisa e ti u za kuhlubuka a ye enkosini yake uSauli ku be ingozi emakanda etu.

20 Ekuyeni kwake eZiklagi kweza kuye aba kwaManasa, uAdna, noJozabadi, noJediale, noMikaeli, noJozabadi, noElihu, noZiltai, izinduna zezinkulungwane zaba kwa Manasa.

21 Ba siza uDavida emabutweni ngokuba bonke ba be amaqawe a namandhla ba ba izinduna zamabuto.

22 Ngalesosikati, imihla ngemihla ba beza ukumsiza uDavida, kwa za kwa ba ibandhla elikulu njengebandhla lika Tixo.

23 Umumo wezinhlolo zabahlomela ukulwa a beza kuDavida eHebroni, ukuba ba buyisele umbuso ka Sauli kuye, njengezwi lika Jehova.

24 AbakwaJuda aba be pete isihlangu, nomkonto be hlomele impi, ba be izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isishiyagalombili.

25 KwabakwaSimeoni amaqawe a

namandhla ukulwa izinkulungwane ezi sikombisa nekulu:

26 Kwaba kwaLevi izinkulungwane ezine namakulu a isitupa.

27 uJehoida wa e umholi wamaAroni wa ye nezinkulungwane ezintatu namakulu a isikombisa.

28 uZadoki insizwa e namandhla, na sendhlini ka yise izinduna ezi amashumi amabili nambili.

29 NabakwaBenjamini abazalwane baka Sauli izinkulungwane ezintatu, ngokuba kwa za kwa ba i leso sikati inxenye enkulu yabo ya i linda indhlu ka Sauli.

30 AbakwaEfraimi amaqawe a namandhla a izinkulungwane ezi amashumi amabili namakulu a isishiyagalombili abantu abadumileyo ezindhlini za oyise.

31 Nenxenye yesizwe sika Manasa, izinkulungwane ezi ishumi nesishiyagalombili aba be bizwa ngamagama, ukuba beze ukwenza uDavida inkosi.

32 KwabakwaIsakari, aba be nokuqonda izikati ukwazi okufanele ukwenziwa uIsraeli izinhloko zabo za zi amakulu amabili; nabazalwane babo bonke ba benza njengezwi labo.

33 KwabakwaZebuloni, aba be ya empini, be hlomela impi ugezikati zonke zempi aba izinkulungwane ezi amashumi a isihlanu bezihlela nganhliziyonye.

34 KwabakwaNaftali izinduna ezi inkulungwane zi naba izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesikombisa, aba nesihlangu, nomkonto.

35 KwabakwaDani abapuma impi izinkulungwane ezi amashumi amabili nashiyagalombili namakulu a isitupa.

36 Na kwabakwaAsheri abapuma ukulungela impi aba izinkulungwane ezi amashumi amane.

37 Ngapesheya kweJordanu kwaba kwaRubeni, nabakwaGadi, nenxenye yesizwe sika Manasa, be nezikali zonke zokulwa empini, izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili.

38 Bonke laba bantu bokulwa aba be hlela amaviyo beza ngezinhliziyo ezi qinisileyo, ukwenza uDavida a be inkosi pezu kwabaIsraeli bonke: nabaIsraeli bonke ba be nhliziyonye, ukwenza uDavida a be inkosi.

39 Ba be kona kanye noDavida izinsuku ezintatu be dhla bepuza ngokuba abazalwane babo ba be ba lungisele.

40 Naba be seduze nabo, abakwaIsakari nabakwaZebuloni nabakwaNaf-

tali ba leta izinkwa ngezinjomane na ngamakamelo, na ngezimbongolo, na ngezinkabi, nokudhla kwempupu, izihleke zamakiwane nezewaini, nezizwazi, namafuta, nezinkabi, nezimvu, okuningi, ngokuba kwa ku kona ukutokoza kwaIsraeli.

ISAHLUKO 13.

**U**DAVIDA wa kulumisana nezinduna zezinkulungwane nezamakulu nabaholi bonke.

2 uDavida wa ti kuyo yonke inhlanguano ka Israeli, uma ku lungile kini noma ku vela kuJehova uTixo wetu ma si tumele masinyane kubazalwane betu abaseleyo emazweni onke a kwa Israeli, kanye nabapristi nabaLevi aba semizini na semizani yayo ukuba ba butane ba hlangane nati.

3 Ma si lete umpongolo ka Tixo wetu kiti: ngokuba a si buzanga ngawo emihlani ka Sauli.

4 Inhlanguano yonke, ya ti, i zo kwenzala njalo, ngokuba leyonto ya i lungile emehlweni abantu bonke.

5 uDavida wa butela aba Israeli bonke ndawonye kwa suka eSihori la sEgipite kwa kwa fika eHemati, uku leta umpongolo ka Tixo u suka eKirjat-jearimi.

6 uDavida wa kupukela eBala naba Israeli bonke ba ya eKirjat-jearimi la seJuda ukutata kona umpongolo ka Tixo uJehova o hlala pezu kwamaKerubimi njengokuba e bizwa ngegama.

7 Betwala umpongolo ka Tixo, ngenqola entya be wu tata endhlini ka Abinadabi: uUza noAhio ba tyayela inqola.

8 uDavida nabaIsraeli bonke ba tyaya pambi kuka Jehova ngamandhla abo onke, izihlabelelo, ngezingubu, na ngenkqangi, na ngezigubu, na ngamangakhle na ngamatilongo.

9 Se be fikile esibuyeni sika Kidone, uUza welula isandhla sake ukubamba umpongolo ngokuba izinkabi za zi wu zamazisa.

10 Ulaka luka Jehova lwa vuta kuUza wa m tyaya ngokuba e si beka isandhla sake, empongolweni, wa fa pambi kuka Jehova.

11 uDavida wa cunuka ngokuba uJehova wenza isibobo kuUza. Leyo ndawo i bizwa ngokuti iPerezusa na namhla.

12 uDavida wa mesaba uTixo ngalo-

losuku wa ti, ngi za kuleta kanjani umpongolo ka Tixo kimi na?

13 uDavida a ka u yisanga umpongolo kuye emuzini ka Davida kodwa wa wu beka endhlini ka Obededomi umGiti.

14 Umpongolo ka Tixo wa hlala endhlini ka Obededomi izinyanga ezintatu. uJehova wa i busisa indhlu ka Obededomi nako konke a e nako.

ISAHLUKO 14.

**U**HIRAMU inkosi ya seTire, wa tumela izigijimi kuDavida nemiti yesedare; nabaki nababazi, ukumakela indhlu.

2 uDavida wa bona ukuba uJehova u m misile inpela a be inkosi pezu kuka Israeli, ngokuba umbuso wake wa pakanyiswa ngapezulu ngenxa yabantu aba-Israeli.

3 uDavida wa buya wa tata abafazi eJerusalema wa zala amanye amadodana namadodakazi.

4 Lawa amagama abantwana bake a e nabo eJerusalema, uShamua, uShobabi, uNatani, uSolomona.

5 uBha, uElishua, uElipaleti,

6 uNoga, uNefegi, uJafia,

7 uElishama, uBeliada, noElifaleti.

8 AmaFilisti e se zwile ukuba uDavida u geotywe a be inkosi pezu kwaba Israeli a kupuka onke amaFilisti a ya kufuna uDavida. uDavida wezwa ngako, wa puma wa hlasela kuwo.

9 AmaFilisti e za a zihlela esigodini samaRafa.

10 uDavida wa buza kuTixo, e ti, ngi kupukele kumaFilisti na, u ya kuwa nikela esandhleni sami na? uJehova wa ti kuye, kupuka: ngokuba ngi za ku wa nikela esandhleni sako.

11 Ba kupuka eBaal-perazimu, uDavida wa wa tyaya kona. uDavida wa tike, uTixo u fohlile izita zami ngesandhla sami njengokufohla kwamanzi ngako ba biza igama la leyo ndawo, ngokuti iBaal-perazimu.

12 Ekushiyeni kwawo izitixo zawo, kona, uDavida wa tyo, za tyiswa ngomlilo.

13 AmaFilisti a buya, a zihlela esigodini.

14 Ngako uDavida wa buza kuTixo: uTixo wa ti kuye, u nga kupukeli kuwo, kodwa buya kuwo, wehlele malungana nemiti yekijololo.

15 Ku ya kuti, uma u zwa umsindo wokuzamazama kwezinhloko zemiti ye-

jikijolo u pumeke u ye u lwe ngokuba uTixo u se kwandulele ukuya ku tyaya ibandhla lamaFilisti.

16 uDavida wenza njengokutyo kuka Tixo kuye: ba tyaya ibandhla lamaFilisti kwa suka eGibeoni kwa za kwa fika eGeza.

17 Udumo luka Davida lwa pumela emazweni onke, uJehova wehlisela ukwesabeka kwake ezizweni zonke.

ISAHLUKO 15.

**W**A zakela izindhlu emuzini ka Davida, wa lungisela umpongolo ka Tixo indawo wa u misela ifente.

2 uDavida wa ti, a siko okomuntu ukwetwala umpongolo ka Tixo kupela abaLevi: ngokuba uJehova u ba ketile, ukwetwala umpongolo ka Tixo nokumkonza ku ze ku be pakade.

3 uDavida wa butela abaIsraeli bonke eJerusalema, ukukupulela umpongolo ka Jehova endaweni yawo, a e yi lungisele wona.

4 uDavida wa buta amadodana ka Aroni nabaLevi.

5 Kumadodana ka Kohati, uUrieli omkulu nabazalwana bake ikulu namashumi amabili.

6 Kumadodana ka Merari, uAsaia omkulu nabazalwana bake anakulu amabili namashumi amabili.

7 Kumadodana ka Gershomi, uJoeli omkulu nabazalwana bake ikulu namashumi amatatu.

8 Kumadodana ka Elizafani, uShemia omkulu nabazalwana bake, anakulu amabili.

9 Kumadodana ka Hebroni, uElieli omkulu nabazalwana bake, amashumi a shiyagalombili.

10 Kumadodana ka Uzieli, uAminadabi omkulu nabazalwana bake, ikulu neshumi umbili.

11 uDavida wa biza uZadoki, noAbiatar, abapristi, nabaLevi, uUrieli, uAsaia, uJoeli, uShemia, uElieli, noAminadabi:

12 Wa ti kubo, nina, malunga akaLevi zahlukaniseni kanye nabazalwana benu ni kupulele umpongolo ka Jehova uTixo ka Israeli endaweni e ngi yi lungisele wona.

13 Ngokuba, na be ni ngenzi njalo kuqala uJehova uTixo wetu wa sehlela ngokufa, ngokuba sa si nga m funi ngokufaneleyo.

14 Abapristi nabaLevi ba zahlukanisa

ukukupula umpongolo ka Jehova uTixo ka Israeli.

15 AbakwaLevi betwala umpongolo ka Tixo emahlombe abo, ngezinti zawo njengokutyo kuka Mosi ngezwi lika Jehova.

16 uDavida wa tyo ezinhlokweni zabaLevi, ukuba zi mise abazalwana bazo, aba hlabelela ngezinto zokuhlabelela imiqangi, nezingubu, namagenkhle, okukalayo, ukuzwakalisa ukujabula.

17 AbakwaLevi ba misa uHemani indodana ka Joeli na kubazalwana bake, uAsafa indodana ka Berekia na kumadoda ka Merari abazalwana babo uEtani indodana ka Kushaia.

18 Kanye nabazalwana abalandela bona, uZekaria, uBeni, uJazieli, uShemiramote, uJehieli, uUni, uEliabi, uBenaia, uMaseia, uMatitia, uElifele, uMikneia, uObededomi, noJeieli, abalindi bamasango.

19 Abahlabeleli, uHemani, uAsafa, noEtani ukutyaya kakulu amagenkhle etusi.

20 NoZekeria, noAzieli, noShemiramote, noJehieli, noUni, noEliabi, noMaseia, noBenaia ukuzwakalisa imiqangi njengamazwi esifazana.

21 noMatitia noElifele, noMikneia, noObededomi, noJehieli, noAzezia ukuzwakalisa izingubu njengezwi lesilisa.

22 uKenania inhloko kubaLevi ngokutwala wa e fundisa ukutwala ngokuba wa e nengqondo.

23 uBerekia, noElkana ba be abalindi bompongolo eminyangweni.

24 uShebania, uJehoshafati, uNatanieli, uAmasai, uZekaria, uBenaia, uEliezari abapristi ba be tyaya amatilongo pambi kompongolo ka Tixo, uObededomi, noJehia, ba be, abalindi bompongolo eminyangweni.

25 uDavida, namalunga akwa Israeli, nezinduna zezinkulungwane, ba ya ukukupula umpongolo wesivumelwano ka Jehova endhlini ka Obededomi, be no-kujabula.

26 Kwa ti uTixo e se ba sizile abaLevi ukwetwala umpongolo wesivumelwano ka Jehova, ba nikela izinkunzi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa.

27 uDavida wa e gqoka ingubo yendwangu ehlele nabaLevi aba be twele umpongolo, nabahlabeleli noKenania inkosi yokutwala: uDavida wa e gqoka iefodi yelinini.

28 AbaIsraeli bonke ba kupula umpo-



ngulo wesivumelwano sika Jehova ngokumemeza, nokukala kwemityingo, nokwamatilongo, nokwamagenkhle, be tyaya, imiqangi, nezingubu.

29 Kwa ti, ekufikeni kompongolo wesivumelwano ka Jehova emuzini ka Davida, uMikali indodokazi ka Sauli wa buka ngesibuko wa bona inkosi uDavida e xuma e dhlala; wa m dela enhliziyweni yake.

ISAHLUKO 16.

**B**A zisa umpongolo kaTixo ba u beka etenteni elawakelwayo uDavida; ba nikela iminikelo yokutya neminikelo yokubonga pambi kukaTixo.

2 Sē e qedile uDavida ukunikela iminikelo yokutya neminikelo yokutula wa ba busisa abantu egameni lika Jehova.

3 Wabela ngamunye njalo kwa ba kwa-Israeli isilisa nesifazana, kwaba ilowo isinkwa sa ba sinye kubo bonke, nesicubi esikulu senyama, nesitya sewaini.

4 Wa misela abaLevi ukukonza pambi kompongolo ka Jehova, ukuba ba kumbule, ba bonge, ba dumise uJehova uTixo ka Israeli.

5 uAsafa omkulu, omlandelayo uZekaria, uJeieli, uShemiramote, uJeiheli, uMatitia, uEliabi, uBenaia, uObededomi, no Jeieli be pete iziinto zokuvuma kepa uAsafa wa tyaya imiqangi.

6 uBenaia noJahazieli abapristi be namatilongo ukuba ba tyaye njalo pambi kompongolo wesivumelwano sika Tixo.

7 Ngalolosuku uDavida wa qalisa koma umsebenzi wokubonga uJehova, ngaye uAsafa nabazalwane bake.

8 Bongani uJehova, bizani igama lake, zizwiseni izizwe ngemisebenzi yake.

9 Vumani kuye, hlabelelani kuye isihlabelelo, qondani izenzo zake zonke ezimangalisayo.

10 Zijabuliseni ingegama elingeweke lake, ma i tokoze inhliziyiyo yabo aba m funayo uJehova.

11 Funani uJehova, namandhla ake, ni fune ubuso bake njalo.

12 Kumbulani izimangalisano zake a zenzileyo, izibonakalisano zake nokwahlula komlomo wake.

13 Nina nzalo ka Israeli, inceku yake, nina madodana ka Jakobe oketiweyo wake.

14 Yena uJehova u uTixo wetu, ukwahlula kwake ku semhlabeni wonke.

15 Kumbulani isivumelwano sake ku ze ku be pakade, izwi a li yaleza ku ze ku be izizukulwana ezi inkulungwane.

16 A senza kuAbrahama, nesifungo sake kuIsaka.

17 Wa-si misela uJakobe si be unteto, noIsraeli si be isivumelwano esipakade.

18 E ti, Ngi ya kukunika izwe la se-Kanan li be isabelo sefa lenu.

19 Lapo ni se ingcozana nje, ni se izihambi kulo futi.

20 Na lapo ba puma esizweni ba ye kwesinye isizwe, na sembusweni ba ye kwabanye abantu.

21 Wa e nga vumeli umuntu ukubakataza wa lungisa amakosi ngenxa yabo.

22 E ti, "ni nga pati abageotyweyo bami, ni ngoni abazisi bami."

23 Hlabelelani kuJehova, mhlaba wonke: ni shumayeke ukusindisa kwake imihla ngemihla.

24 Tyelani udumo lwake ezizweni, nemimangalisano yake pakati kwabantu bonke.

25 Ngokuba uJehova mkulu u fanele ukudunyiswa kakulu: yena nga e satywa pezu kotixo bonke.

26 Ngokuba bonke otixo bezizwe ba ize, kepa uJehova wenza izulu.

27 Ubukosi nokukazimula ku sebunsweni bake; amandhla nokujabula ku sendaweni yake.

28 Nikani kuJehova, nina mindeni yabantu, nikani kuJehova udumo namandhla.

29 Nikani kuJehova udumo olu olwegama lake, ni lete umnikelo ni ze ebusweni bake, dumisani uJehova ebuhleni bobungeweke.

30 Yesabani pambi kwake, mhlaba wonke: izwe li ya kuqiniswa ukuba li nga zamazami.

31 A li tokoze izulu, nomhlaba ma u jabule, ma ku tyiwo pakati kwezizwe ukuti uJehova u ya busa.

32 Ulwandhle ma lu hlokome nokugwala kwalo, amasimu, a tokoze nako konke oku kuwo.

33 Kona ku ya kuti imiti ya sehlatini i hlabelele, pambi kuka Jehova, ngokuba u yeza ukwahlula umhlaba.

34 Bongani uJehova ngokuba u lungile, umusa wake u hlezi pakade.

35 Ni ti si sindise Tixo wosindiso lwe-tu, u si butele ndawonye, u si kulule ezizweni, ukuba si bonge igama lako eli ingeweke, setabe ngodumo lwako.

36 Á busiswe uJehova uTixo ka Israeli ku ze ku be pakade na pakade; nabantu bonke ba ti, Amen! ba dumise uJehova.

37 Wa shiya lapo pambi kompongolo wesivumelwano sika Jehova, uAsafa nabazalwane bake ukukonza pambi kompongolo njalo, benze umsebenzi wemihla ngenihla.

38 NoObededomi nabazalwane babo aba amashumi a isitupa nesishiyagalombili, uObededomi indodana ka Jedutuni noHosa ba be abalindi bamasango.

39 NoZadoki umpristi nabazalwane bake abapristi pambi kwetabanekele lika Jehova endaweni e pakamileyo e ya i seGibeoni.

40 Ukuba ba nikele iminikelo yokutya kuJehova elatini leminikelo yokutya njalo kusasa na kusihlwa nokwenza njengako konke okulotyiweyo emntweni ka Jehova a wu yalela uIsraeli:

41 Kanye nabo oHemani noJedutuni nabanye abaketiweyo aba tyiwo ngamagama, ukuba ba bongwe kuJehova ngokuba umusa wake u pakade.

42 Kanye naboke oHemani noJedutuni bona aba be namatilongo namangkhle, okukala kakulu nezinye izingubu zokuvuma zika Tixo. Amadodana kaJedutuni a be e abalindi bamasango.

43 Bonke abantu ba muka, kwaba ilowo, wa ya endhlini yake; noDavida wa buya ukubusisa indhlu yake.

#### ISAHLUKO 17.

**K**WA ti, uDavida e hlezi endhlini yake, uDavida wa ti, kuNatani, bhaka, ngi hlala endhlini yamasedare, kodwa umpongolo wesivumelwano sika Jehova u hlezi pansu kwezindwangu.

2 uNatani wa e se ti kuDavida, Yenza konke oku senhliziyweni yako: ngokuba uTixo u nawe.

3 Kwa ti nga lobo busuku, izwi lika Jehova la fika ku Natani, li ti,

4 Hamba u tyele uDavida ineekeu yami, ukuba u ti uJehova a u yi ku ngakela wena indhlu yokuhlala:

5 Ngokuba a ngi ka hlali endhlini se loku kwaba usuku e nga kupula ngalo uIsraeli ku ze ku be namhla; kodwa kade ngi hamba pakati kwamatente, ngi puma kwelinye itabauekele ngi ye kwelinye.

6 Loku kade ngi hamba noIsraeli wonke, nga li kuluma izwi na ko yedwa

wabahluli ba kwa Israeli, e nga ba yala ukuba ba pe abantu bami, lokuti, a ni ngakelanga ngani indhlu yamasedare na?

7 Wo tike enekwini yami uDavida, u ti uJehova wamabandhla nga ku tabata edhlweni, ekwaluseni izimvu ukuba u be umbusi pezu kwabantu bami abaIsraeli.

8 Nga ngi nawe, konke lapa wa u ya kona; nga susa zonke izita zako pambi kwako, nga kwenzela igama eli nje ngegama labantu abakulu a ba semhlabeni.

9 Nga misela abantu bami abaIsraeli indawo, nga ba qinisa, ba hlala kuyo, a ba be sa katazeka; nabantwana bokubi a ba be be sa ba cita, njenga pambili.

10 Se loku nga misa abahluli pezu kwabantu bami abaIsraeli nga zi nqoba zonke izita zako, nga ku tyela ukuba uJehova u zo kwakela indhlu.

11 Ku ya kuti lapo izinsuku se zi pelele ukuba u ye koyihlo, ngi vuse inzalo yako emva kwako, e ya kuba e yamadodana ako, ngi qinise umbuso wayo.

12 U ya kungakela indhlu yena ngi qinise isihlalo sake sobukosi ku ze ku be pakade.

13 Ng! ya kuba uyise a be indodana yami; a ngi yi kumapuca umusa wami njengokuba nga mapuca o wa ye kona pambi kwako.

14 Kodwa, ngi ya kumisa endhlini yami, na sembusweni wami ku ze ku be pakade, nesihlalo sake sobukosi si ya kumiswa ku ze ku be niini.

15 Njengawo onke lamazwi, ngaso sonke lesisibonakaliso uNatani wa kuluma kuDavida.

16 Inkosi uDavida wa ya wa hlala pambi kuka Jehova wa ti, ngi ubani mina, Jehova Tixo, nendhlu yami i ini; ukuba u ngi fikisele ku loku na?

17 Na loku kwa ku into enecane emehlweni ako Tixo, ngokuba u kulumile futi ngendhlu yeneeku yako ngesikati eside esizayo; wa ngi bonisa indhlela yomuntu opakanyisiweyo Jehova Tixo.

18 uDavida a nga kulumani enye kuwe, ngokudunyiswa kweneeku yako na? ngokuba u ya yazi ineekeu yako.

19 Jehova, ngenxa yeneeku yako na ngenhliziyu yako, u benzile bonke lobu bukulu u kwazisa konke loku okukulu.

20 Jehova amuko o njengawe, noTixo omunye nga pandhle kwako, njengako

konke e si ku zwileyo ngezindhlebe zetu.

21 Isipi isizwe emhlabeni esi fana nabantu bako, abaIsraeli uTixo u ya kubakulula ba be abantu bake, ukukwenzela igama lobukulu nokwesabeka ngokuxotyiza izizwe pambi kwabantu bako abakululileyo eEgipite na?

22 Wa benza abantu abaIsraeli ba be abantu bako ku ze ku be pakade wena Jehova wa ba uTixo wabo.

23 Ngako kaloku Jehova, Ma kuti izwi o wa li kuluma nenceku, yako na ngendhlu yayo, li qiniseke u ngunapakade wenze njengokutyo kwako.

24 Yebo, ma ku qiniseke futi ukuba igama lako li kuliswe u ngunapakade, ngokuti uJehova wamabandhla uTixo ka Israeli, u uTixo kuIsraeli nendhlu yenceku yake uDavida i qiniswe pambi kwako.

25 Ngokuba wena Tixo wami, u tyilo endhlebeni yenceku yako, ukuba u ya ku yakela indhlu, ngako inceku yako i ku fumene enhliziyweni yayo ukukuleka pambi kwako.

26 Ngako Jehova, wena u uTixo u kulumile lobu buhle ngenceku yako.

27 Ma ku tike, wename ukukubusisa indhlu yenceku yako, ukuba ku be pambi kwako ku ze ku be pakade: ngokuba u busisile Jehova, ku za kubusiseka ku ze ku be u ngunapakade.

### ISAHLUKO 18.

**K**WA ti emva kwaloku uDavida wa taya tyaya amaFilisti wa wa hlula wa tata iGati nemizi yalo esandhleni sama-Filisti.

2 Wa tyaya iMoabi naba seMoabi ba ba izinceku zika Davida ba leta izipo.

3 uDavida wa tyaya uHadareza inkosi ya seZoba nga seHamati ekuhambeni kwake u ku ya kuniisa amandhla ake emfuleni uUfrate.

4 uDavida wa dhla izinqola ezi inkulungwane nabakweli bamahashi abazinkulungwane ezi isikombisa nabahamba pausi abazinkulungwane ezi amashumi amabili, wa nquma imisipa yamahashi onke ezinqola, wa shiya a wezinqola ezi ikulu, kodwa.

5 AmaSiria aseDamaseku e za ukusiza uHadareza inkosi ya seZoba uDavida wa bulala kumaSiria amadoda azinkulungwane ezi amashumi amabili nambili.

6 uDavida wa beka amabuto eSiria-

Damaseku, amaSiria a ba izinceku zika Davida a tela, njalo uJehova wa m londoloza uDavida lapo wa e ya kona.

7 uDavida wa dhla izihlangu zegolide eza zi sezincekwini zika Hadareza wa zi leta eJerusalem.

8 Na semizini ka Hadareza iTibate neKune uDavida wa tata itusi eliningi kakulu uSolomona enza ngalo ulwaudhle lwetusi nezinsika nezitya zetusi.

9 uTou inkosi ya seHamati wezwa ukuba uDavida u tyayile lonke ibandhla lika Hadadeza inkosi ya seZoba.

10 Wa tuma indodana yake kuDavida inkosi uku m bingelala noku m busisa, ngokuba e lwile noHadadeza wa m nqoba (ngokuba uTou wa e ke wa lwa no-Hadareza:) nezitya zonke zegolide neze-siliva nezetusi:

11 Inkosi uDavida wa zahlukanisela uJehova, nesiliva negolide a e li tatile ku lezi zizwe zonke; kumaEdomi na kwaba seMoabi nakubantwana baka Amoni nakubaFilisti na kwabaka Amaleki.

12 uAbishai indodana ka Zerua wa bulala kumaEdomi emfuleni ka Sawoti izinkulungwane ezi ishumi nesishiyagalombili.

13 Wa beka amabuto eEdomi: Onke amaEdomi a ba izinceku zika Davida, uJehova wa m londoloza lapo wa e ya kona.

14 uDavida wa busa pezu kwa baIsraeli bonke wenza ukwahlula nokulunga kubantu bonke bake.

15 uJoabi indodana ka Zerua wa e pezu kwamabuto; uJehoshafati indodana ka Ahiludi wa e umbali;

16 uZadoki indodana ka Ahitubi no-Abimeleki iudodana ka Abiatar ba be abapreti: noShavsha wa e umbali,

17 uBenaiia indodana ka Jehoida wa e pezu kwamaKereti namaPeleti: amadodana ka Davida a e izinhloko esandhleni senkosi.

### ISAHLUKO 19.

**K**WA ti emva kwa loku, uNahashi inkosi yabakwaAmoni wa fa, kwa busa indodana yake esikundhleni sake.

2 uDavida wa ti, ngi ya kwenza umusa kuHanuni indodana ka Nahashi ngokuba uyise wenza umusa kimi, uDavida wa tuma izitunywa uku m duduza ngo-yise: ngako izinceku zika Davida za fika ezweni la kwaAmoni kuHanuni uku m duduza.

3 Izikulu zabakwaAmoni za ti kuHanuni, U ti uDavida u ya m dumisa uyihlo ngokuba u tume abaduduzi kuwe na? Izinceku zake a zi zile kuwe ukubona, nokuceita, nokuhlola izwe na?

4 Ngako uHanuni wa zi tata izinceku zika Davida wa zipucule, wa nquma izivato zazo, pakati wa zi mukisa;

5 Abanye ba muka ba m tyela uDavida ngokupatwa kwabantu; wa tuma wa ba hlangebeza ngokuba izinceku zake za zi namahloni kakulu; inkosi ya ti, Hlanani eJeriko ku ze ku kule izilevu zenu, ni buyeke.

6 Abantwana baka Amoni ba bona ukuba ba zenzile ba babi kuDavida uHanuni nabantwana baka Amoni ba tuma amatalenta esiliva a inkulungwane ukuba a zityelekele izinqola nabamahashi eMesopotemia na seSiria-maka na seZoba.

7 Ba zi tyelekela izinqola ezi izinkulungwane ezi amashumi amatatu nambili, nenkosi ya seMaka nabantu bayo; Be za be misa pambi kweMedeba: Abantwana baka Amoni ba butana ndawonye, ba puma emizini yabo be za empini.

8 uDavida wezwa ngako wa tuma uJoabi nebandhla lonke lamaqawe.

9 AbakwaAmoni ba puma ba hlala impi pambi kwesango lomuzi; namakosi a e zile, ema odwa endhle.

10 uJoabi wa bona ukuba impi se i bheke yena ngapambili na ngasemva wa tata kwabaketweyo ba kwa Israeli wa ba hlelela amaSiria.

11 Nabaseleyo abantu wa ba nikela esandhlени sika Abishai umfo wabo, nabo ba zihlelelu amadodana ka Amoni.

12 Wa ti, Uma amaSiria e namandhla ku nami kona u ya kuza u ngi size, uma amadodana ka Amoni e namandhla ku nawe kona ngi ya kukusiza.

13 Yiba nesibindi a senzele abantu ba kiti ngobuqawe, nemizi ka Tixo wetu: uJehova enze okufaneleyo emehlweni ake.

14 uJoabi nabantu aba be naye ba sondela ngapambi kwamaSiria ukulwa kwa ti a baleka pambi kwake.

15 AbakwaAmoni ba bona ukuba amaSiria a balekile nabo ba baleka ebusweni buka Abishai umfo wabo, ba ya, ba ngena emuzini: uJoabi wa ya eJerusalema.

16 Lapo amaSiria se bonile ukuba a hlulwe abaIsraeli, a tuma izitunywa a tata amaSiria a e ngapesheya konifula;

uShofaki inkosi yempi ka Hadareza wa hamba pambi kwawo.

17 Kwa bikwa kuDavida wa buta abakwa Israeli bonke, wa wela iJordani weza kuwo, uDavida wa hlala impi pambi kwawo. Lapo uDavida se hlalile impi pambi kwamaSiria ukulwa, A ti a lwe naye.

18 AmaSiria a baleka pambi kwaba Israeli uDavida wa bulala kumaSiria amabuto ezinqola a izinkulungwane ezi isikombisa naba hamba pansi aba izinkulungwane ezi amashuni amane, wa bulala uShofaki induna yempi.

19 Lapo izinceku zika Hadareza se zi bonile ukuba ba hlulwa abakwa Israeli ba tela kuDavida ba m konza, amaSiria a vumanga ukusiza abantwana baka Amoni futi.

## ISAHLUKO 20.

**K**WA ti ekupeleni komnyaka, esikawati sokupuma kwamakosi, uJoabi wa hola amaqawe empi, wa cita izwe labantu baka Amoni we za wa vimbezela iRaba kodwa uDavida wa hlala eJerusalema uJoabi wa hlala iRaba wa li cita.

2 uDavida wa tata umqele wobukosi wenkosi yabo ekanda layo, wa fumana ukuba, u lingene italenta legolide wa u qondelwe ngamatye amahle; wa bekwa ekanda kuDavida; wa tata futi impahlala eningi emzini.

3 Wa kipa abantu aba be kuwo wa ba nquma ngamasaha na ngamahala na ngamasikela, uDavida wenze njalo emizini yonke yabakwaAmoni, uDavida wa buyela nabantu bonke eJerusalema.

4 Kwa ti ngasemva kwaloku kwa vuka ukulwa eGeza kumaFilisti: Ngaleso sikati uSibekai umHushati wa bulala uSippai o wa e ngowabantwana baka Rafa, ba nqotywa.

5 Kwa ba kona futi ukulwa, namaFilisti: uElhanani indodana ka Jaire wa bulala uLami umfo wabo ka Golia umGiti, uti lomkonto wake lwa lu ngangoti lomlaluki.

6 Kwa ba kona ukulwa futi eGati; lapo kwa ku kona umuntu omude, iminwe yake nezinzwani zake kwa ku amashumi amabili nane, isitupa esandhlени si sinye, nesitupa onyaweni lu luyne, naye wa ye indodana ka Rafa.

7 Weyisa abaIsraeli: uJonatani indodana ka Shimea umfo wabo ka Davida wa m bulala.

8 Laba ba be zelwe uRafa eGati, Ba citwa ngesandhla sika Davida na ngesandhla sezineeku zake.

ISAHLUKO 21.

USATANI wemela abaIsraeli wa vusa uDavida ukuba a bale abaIsraeli.

2 uDavida wa ti kuJoabi na kubabusi babantu, Hambani ni bale abaIsraeli; ni qale eBeresheba ni ze ni fike eDani, ni lete umumo wabo kimi ukuba ngi wazi.

3 uJoabi wa pendula wa ti ku nga ti uJehova a ngandisa abantu bake ku ze ku be ikulu ku nakaloku: Kodwa ukosi nkosi yami a sibona bonke izineeku zenkosi yami na? Po inkosi yami i ku funelani loku na? U za kuba isono ngani kubaIsraeli na?

4 Noko izwi lenkosi la mahlula uJoabi: uJoabi wemuka wa dabula kubaIsraeli bonke weza eJerusalema.

5 uJoabi wa tyela uDavida umumo wabantu. AbaIsraeli bonke ba be izinkulungwane ezi inkulungwane nama-kulu a inkulungwane a ba be pata inkemba, abakwaJuda a ba be pata inkemba ba be izinkulungwane ezi amakulu amane namashumi a isikombisa.

6 Kodwa uLevi noBenjamini a ba balanga pakati kwabo, ngokuba izwi lenkosi la li nengeka kuye.

7 Kwa ku kubi emehlweni ka Jehova ngalendaba; wa tyaya abaIsraeli.

8 uDavida wa ti kuTixo ugonile kakulu ngokuba ngenzile lento: kepa kaloku yekela isono senceku yako ngokuba ngenzile ngobuula.

9 uJehova wa shumayela kuGadi, umprofeti ka Davida wa ti,

10 Hamba u m tyele uDavida u ti, u tyo uJehova izinto ezintatu ngi ya zi beka pambi kwako: keta i benye kuzo ukuba ngi yenze kuwe.

11 uGadi weza kuDavida wa ti kuye, u ti uJehova,

12 Keta nokuba ku be kona iminyaka emitatu yendhlala: nokuba izinyanga ezintatu zokuxotywa izita zako, nenkamba yezita zako i ku fumane, noma izinsuku ezintatu zenkemba ka Jehova nesifo si be ezweni, ukuba ingelosi ka Jehova i bulale emacaleni onke ka Israeli: ngako qonda ngempendulo e ngi ya ku i buyisela kuye o ngi tumileyo.

13 uDavida wa ti ngi cindezelekile kakulu, ma ngi wele esandhleni sika Je-

hova ngokuba umusa wake mkulu, ma ngi nga weli esandhleni somuntu.

14 uJehova wa tumela isifo kubaIsraeli, kwa fa kubaIsraeli, abantu aba izinkulungwane ezi amashumi a isikombisa.

15 uTixo wa tuma ingelosi ukuya eJerusalema ukuba i cite, kwa ti ekucitweni kwalo uJehova wa bheka, wa penduka ku lobo ubi wa ti engelosi e citayo se kwanele, bamba isandhla sako. Ingelosi ka Jehova yema nga sendaweni yokubula ka Ornani umJebusi.

16 uDavida wa pakamisa amehlo ake, wa bona ingelosi ka Jehova i mi emkatini wezulu nomhlaba i pete inkemba ekityiweyo esandhleni sayo, e yelulelwe pezu kweJerusalema, uDavida namalunga a kwa Israeli a e fake izingubo zokuzila ba ti mbo ngobuso.

17 uDavida wa ti kuTixo a ku mina ini o wa yaleza ukuba abantu ba balwe? Imina e ngonileyo ngenzile okubi impela, kodwa lezi zimvu zenzeni na? Isandhla sako Jehova Tixo wami, ngi ya ku ncenga ma si be pezu kwami, na pezu kwendhlu ka baba, kodwa ma si nga bi pezu kwabantu bako ukuba ba fe.

18 Kona ingelosi ka Jehova ya yaleza uGadi ukuti kuDavida, a kupuke, a misele uJehova ilati endaweni yokubula ka Ornani umJebusi.

19 uDavida wa kupuka njengezwi uGadi a li tyoyo ngegama lika Jehova.

20 Lapo uOrnani e penduka wa bona ingelosi, wa zifihla kanye namadodana ake amane. Kepa uOrnani wa be e bula ukolweni.

21 uDavida wa ya kuOrnani, uOrnani wa bheka, wa bona uDavida, wa puma endaweni yokubula, wa kotama kuDavida ngobuso emhlabeni.

22 uDavida wa ti kuOrnani, ngi nike lendawo yokubula ukuba ngake kona ilati lika Jehova, u za ku ngi nika yona ngentengo e yaneleyo ukuba isifo si finyezwe kubantu.

23 uOrnani wa ti kuDavida i tate, a i ti inkosi inkosi yami yenze okufaneleyo emehlweni ayo, bheka ngi ya kupa izinkabi zomnikelo wokutya, nezibulo, zi be izinkuni, nokolweni umnikelo wokudhla ngi ku nika konke.

24 Inkosi uDavida ya ti kuOrnani ea, ngi za ku kutenga impela ngentengo e yaneleyo, ngokuba a ngi zu m tatela uJehova oku ngokwako ngi nikele umnikelo wokutya ngi nga u kokelanga.

25 uDavida wa nika uOrnani amashekelo egolide a amakulu a isitupa izisindo, ngendawo.

26 uDavida wakela uJehova ilati kona wa nikela iminikelo yokutya, neminikelo yokutula, wa biza uJehova, wa mpendula e sezulwini ngokutumela umlilo elatini lomnikelo wokutya.

27 uJehova wa tyela ingelosi, ya buyisela inkemba esikwameni sayo.

28 Nga lesosikati lapo uDavida e bona ukuba uJehova u m pendulile endaweni yokubula ka Ornani umJebusi, wa nikela kona.

29 Ngokuba itabanekele lika Jehova uMosi a lenza ehlane, nelati lomnikelo wokutya nga lesosikati kwa ku sendaweni e pakamileyo eGibeoni.

30 uDavida wa e nge nakuya pambi kwalo ukubuza kuTixo, ngokuba wa yesaba ngenxa yenkenba yengelosi ka Jehova.

ISAHLUKO 22.

**W**A ti uDavida, Le i indhlu ka Jehova uTixo, leli ilati lomnikelo wokutya wabaIsraeli.

2 uDavida wa yala ukuba ku butane ndawonye abezizwe aba be sezweni la kwa Israeli, wa misa abaki ba baze amatye, a linganayo ukwaka indhlu ka Tixo.

3 uDavida wa lungisa insimbi eningi yezipikili zeminyango yamasango, nezokuhlanganiswa, netusi eliningi li nge nakulinganiswa.

4 Nemiti yesedare eminingi ngokuba amaZidoni namaTire a leta imiti eminingi yesedare kuDavida.

5 uDavida wa ti, uSolomona indodana yami u se mutya u sa tambile, nendhlu e za kwakiwelwa uJehova nga i ba nhle kakulu i be nodumo nobukosi emazweni onke; Ngi za ku i lungisake; uDavida wa lungisa kakulu e nga ka fi.

6 Wa biza uSolomona indodana yake, wa m yala ngokwakela uJehova uTixo ka Israeli indhlu.

7 uDavida wa ti kuSolomona, ndodana yami, ngokwami, kwa ku sengqondweni yami ukwaka indhlu ngegama lika Jehova uTixo wami.

8 Kodwa izwi lika Jehova la fika kimi li ti, U cite igazi eliningi wenza ukulwa okukulu, a u yi ku yaka indhlu ngegama lami, ngokuba u citele igazi eliningi emhlabeni pambi kwami.

9 Bheka u ya kuzala indodana, e ya kuba umuntu wokupumula, ngi ya ku m

pumuza ezitani zonke zake, ezindaweni zonke; ngokuba igama lake li ya kuba uSolomona, ngi ya kupa abaIsraeli ukutula nokuhlala kahle, emihleni yake.

10 U ya kwaka indhlu ngegama lami, u ya kuba indodana yami, nge be uyise, ngi ya kuqinisa isihlalo sake sobukosi, pezu kwabaIsraeli ku ze ku be pakade.

11 Kaloku ndodana yami, uJehova ma be nawe u be nenhlanhla wakele uJehova uTixo wako indhlu njengokutyo kwake kuwe.

12 Futi uJehova a ku pe ukhlabani-pa nokuqonda, a ku mise pezu kwabaIsraeli ukuba u gcine umteto ka Jehova uTixo wako.

13 Konake u ya kuba nenhlanhla uma u qapela ukwenza imiyalo nokwahlula uJehova a ku yalela uMosi ngabaIsraeli. Qina u be namandhla u ngesabi, u nga dangali.

14 Bheka enhlupekweni yami ngi lungisele indhlu ka Jehova amatalenta egolide a izinkulungwane ezi ikulu, namatalenta esiliva a izinkulungwane ezi inkulungwane, nawetusi nensimbi a nge nakulinganiswa, ngokuba ku ningi: ngi ku lungisile nemiti namatye, u ya ku kwenezela.

15 Ku kona kuwe izisebenzi eziningi, ababazi naba sika amatye, nemiti, nabantu bonke abahlakaupele imisebenzi yonke.

16 Igolide, nesiliva, netusi, nensimbi a ku nakubalwa. Suka, wenze, uJehova a be nawe.

17 uDavida wa yala onke amakosana a kwa Israeli ukusiza uSolomona indodana yake, wa ti ;

18 uJehova uTixo wenu a nani na? A ni nikile ukutula inxa zonke na? Ngokuba u nikile ezandhleni zami abakileyo ezweni, nezwe li nqotywe pambi kuka Jehova na pambi kwabantu bake.

19 Bekanike inhliziyu yenu noupefumlo wenu ekufuneni uJehova uTixo wenu; Sukani nake indhlu e ingewele ka Jehova uTixo ukuleta umpongolo wesivumelwano ka Jehova nezitya ezi ingewele zika Tixo endhlini e zo kwakelwa igama lika Jehova.

ISAHLUKO 23.

**U**DAVIDA wa e mdala e neminyaka eminingi wa menza uSolomona indodana yake inkosi pezu kwabaIsraeli.

2 Wa butela ndawonye, onke amakosana a kwa Israeli, nabapristi, nabaLevi.

3 AbaLevi, ba balwa kwa qalwa kwa ba neminyaka emashumi amatatu ne ngapezulu: umumo wabo ngezinhloko zabo, wabantu bonke wa u izinkulungwane ezi amashumi amatatu nesishiyagalombili.

4 Aba izinkulungwane ezi amashumi amabili nane kubo ba be za kuquba umsebenzi wendhlu ka Jehova, nezinkulungwane ezi isitupa za zi izinduna nabahluli.

5 Nezinkulungwane ezine za zi abalindi bamasango, nezinkulungwane ezine za dumisa uJehova ngezingubu e nga zenzayo zokudumisa.

6 uDavida wa ba hlukanisela amadodana ka Levi oGershoni, noKohati, noMerari ba ba izigaba.

7 KumaGershoni kwa ku uLadani noShimi.

8 Amadodana ka Ladani a ba be bakulu uJehieli noZetamu noJoeli, batatu.

9 Amadodana ka Shimi, uShelomite, noHazieli, noHaranu, batatu: Laba ba be abakulu koyise baka Ladani.

10 Amadodana ka Shimi, uJahati, uZiza, noJushi noBeria ba be nge nawo amadodana amaningi:

11 uJahati wa e omkulu, owesibili uZiza, uJushi noBeria ba be nge nawo amadodana amaningi: Ngako ba be indhlu inye nesigaba sinye.

12 Amadodana ka Kohati uAmramu, uIzha, uHebroni, noUzieli be bane.

13 Amadodana ka Amramu, uAroni noMosi: uAroni wa hlukaniswa ukuba a be o ingwele yena namadodana ake ku ze ku be pakade, ukutyisa impepo pambi kuka Jehova, ukukonza kuye, nokubusisa ngegama lake, njalonzalo.

14 uMosi, umuntu ka Tixo: amadodana ake a e bizwa ngesizwe sika Levi.

15 Amadodana ka Mosi, uGershoni, noEliezari,

16 Kumadodana ka Gershoni, uShebueli wa e nkulu.

17 Amadodana ka Eliezari, uRehabia omkulu: uEliezari wa e nge nawo amanye amadodana, kodwa amadodana ka Rehabia a e maningi kakulu.

18 Amadodana ka Izha, uShelomite omkulu.

19 Amadodana ka Hebroni, uJeria owokuqala, uAmaria owesibili, uJahazieli owesitatatu, uJekameami owesine.

20 Amadodana ka Uzieli, uMika owokuqala, noJesia owesibili.

21 Amadodana ka Merari; uMahli, no-

Mushi. Amadodana ka Mahli; uEliezari, noKishi.

22 uEliezari wa fa e nge namadodana, kupela amadodakazi, a gana abafu wabo, amadodana ka Kishi.

23 Amadodana ka Mushi: uMahli, noEda, noJeremote, batatu.

24 Lawa amadodana ka Levi nge ndhlu ya oyise; Abakulu koyise njengokubalwa kwabo, ngomumo wamagama ngezinhloko zabo, a benza umsebenzi wokukonza wendhlu ka Jehova ku qala kwa ba neminyaka e amashumi amabili ne ngapezulu.

25 Ngokuba uDavida wa ti, uJehova uTixo ka Israeli u nikile abantu bake ukutula u hlezi eJerusema ku ze ku be pakade.

26 NabaLevi a ba sa yi kwetwala itabanekele nezitya zalo zokukonza kulo.

27 Ngokuba ngamazwi okugcina ka Davida abaLevi ba balwa ku qala kwa ba neminyaka e amashumi amabili ne ngapezulu.

28 Ngokuba indawo yabo ya yi ngasesandhleni samadodana ka Aroni yokukonza endhlini ka Jehova, emabaleni na sezindhlini ezi pezulu, na sekuhlazeni zonke izinto ezi ingewele na sensebenzini wokukonza wendhlu ka Tixo.

29 Nowesinkwa sokubhekelwa nempupu ehle yomnikelo wokudhla nowezinkwana ezi nge namvubelo, nowezipekiweyo, nowezosiweyo, nowezilinganiso zonke zobubanzi nobude.

30 Nokuma, imihla youke kusasa, ukubonga nokudumisa uJehova njalo naku-sihlwa.

31 Nokunikela yonke iminikelo yokutya kuJehova ngamasabata na ngokwetwasa kwezinyanga, na ngokudhla okumisiweyo ngokubalwa, njengokumiswa a ba ku yalelweyo njalo pambi kuka Jehova.

32 Ba ya kulinda itabanekele lenhlangano ba geine nendhlu e ingewele namadodana ka Aroni, abafu wabo ekukonzeni kwendhlu ka Jehova.

ISAHLUKO 24.

**K**UMADODANA ka Aroni lawa a izigaba: amadodana ka Aroni: uNadabi, uAbihu, uEleazari noItamari.

2 uNadabi noAbihu ba fa, be nga ka ti oyise babo, ba be nge nabantwana, ba ti uEleazari noItamari ba be abapristi.

3 uDavida wa ba hlukanisela ukuze uZadoki kumadodana ka Eleazari no-

Ahimeleki kumadodana ka Itamari ba be nomsebenzi wabo enkonzweni yabo.

4 Amadodana ka Eleazari a funyanwa e abantu abakulu abaningi ku namadodana ka Itamari; ba hlukaniswa ngokunjalo: kumadodana ka Eleazari izikulu zendhlu ya oyise ezi ishumi nesitupa na kumadodana ka Itamari izinhloko zendhlu ya oyise ezi isishiyagalombili.

5 Ba bahlukanisa ngenkato laba nalabo, ngokuba amakosana endawo e ingewele namakosana ka Tixo a be amadodana ka Eleazari namadodana ka Itamari.

6 uShemaia indodana ka Netaneli, umbali wamaLevi, wa ba bala pambi kwenkosi namakosana, noZadoki umpristi noAhimeleki indodana ka Abiatar naba izinhloko za ozise pakati kwabapristi napakati kwabaLevi, enye indhlu ya oyise ya kityelwa uEleazari nenye ya kityelwa uItamari.

7 Kona inkato kuqala ya dhla uJehoiaribi, ngokwesibili uJedaia,

8 Ngokwesitatu uHarimo, ngokwesine uSeorimi,

9 Ngokwesihlanu uMalkija, ngokwesitupa uMijamini,

10 Ngokwesikombisa uHakozi, ngokwesishiyagalombili uAbija,

11 Ngokwesishiyagalolunye uJeshua, ngokweshumi uShekania,

12 Ngokweshumi nanye uEliashibi, ngokweshumi nambili uJakimi,

13 Ngokweshumi nantatu uHupa, ngokweshumi nane uJeshebeabi,

14 Ngokweshumi nanhlanu uBilga, ngokweshumi nesitupa uImna,

15 Ngokweshumi nesikombisa uHezire, ngokweshumi nashiyagalombili uAfsesi,

16 Ngokweshumi nashiyagalolunye uPetahia, ngokwamashumi amabili uJehzekeli,

17 Ngokwamashumi amabili nanye uJakini, amabili nambili uGamule,

18 Ngokwamabili nantatu uDelaia, ngokwamabili nane uMaazia.

19 Loku ku ukumiswa kwabo enkonzweni yabo ukungena endhlini ka Jehova, njengomkuba wabo, ngapansi kuka Aroni uyise, njengokuba uJehova uTixo ka Israeli a m yaleza.

20 Abaseleyo emadodaneni ka Levi i laba: Emadodaneni ka Anuramu; uShubaeli: emadodaneni ka Shubaeli; uJedaia.

21 Ngaye uRehabia: emadodaneni ka Rehabia, owokuqala uIsshia.

22 Kwa ka Izari, uShelomote: wamadodana ka Shelomote; uJabati.

23 Amadodana ka Hebroni; uJeria owokuqala, uAmaria owesibili, uJehazieli owesitatu, uJekameami owesine.

24 Owamadodana ka Uzieli; uMika: owamadodana ka Mika; uShama.

25 Umfo wabo ka Mika kwa ku Isshia: owamadodana ka Isshia; uZekaria.

26 Amadodana ka Merari oMahli noMushi: amadodana ka Jaazia; uBeni.

27 Amadodana ka Merari ngoJaazia; uBeni, uShohamu, uZaka, noBri.

28 KuMahli kwa vela uEleazari, owa enge namadodana.

29 NgoKishi: indodana ka Kishi kwa ku uJerameli.

30 Njalo amadodana ka Mushi; uMahli, uEda, noJerimote. Laba amadodana ka Levi emva kwendhlu ya oyise.

31 Na laba futi benza inkato njengabazalwana babo amadodana ka Aroni ebusweni buka Davida inkosi, noZadoki, noAhimeleki, nezingiduna za oyise babapristi nabaLevi, oyise, nenduna i fane nomfo wabo omneane.

#### ISIAHLUKO 25.

UDAVIDA nezinduna zebandhla ba hlukanisela inkonzo amadodana ka Asafa, noHemani noJedutuni, a ba be za kuhlabela ngezingubu, nangemiqangi nangamagenkhle. Umumo wabantu benkonzo wa wu nje:

2 Kumadodana ka Asafa; uZaka, uJosefa, uNetania noAsarela amadodana ka Asafa, pansi kuka Asafa o wa hlabelela njengokulungisa kwenkosi.

3 KuJedutuni: amadodana ka Jedutuni, uGedalia, uTseri, uJeshaya, uShimi, uHashabia, noMatitia, isitupa, be pansi kuka yise uJedutuni o wa hlabelela ngogubu ukubonga, nokudumisa uJehova.

4 KuHemani: amadodana ka Hemani uBakia, uMatania, uUzieli, uShebueli, uJerimote, uHanania, uHanani, uEliata, uGidelati, uRomamtiezere, uJosh ebekasha, uMaloti, uHotire, noMahazioti.

5 Bonke laba ba be amadodana ka Hemani umholeli wenkosi emazweni ka Tixo, ukupakamisa upondo, uTixo wa mu pa uHemani amadodana a ishumi nane namadodakazi amatatu:

6 Onke lawa a be pansi kuka yise ekuhlabeleleni endhlini ka Jehova ngamagenkhle, nemiqangi, nezingubu, enko-



nzweni yendhlu ka Tixo, njengokutyo kwenkosi kanye noAsafa, noJedutuni, noHemani.

7 Umumo wabo kanye nabazalwana babo aba be fundisiwe ukhulabelela ku-Jehova bonke a ba be nokuqonda wa be u amakulu amabili namashumi a isishiyagalombili nesishiyagalombili.

8 Benza inkato ngenkonzo; abanci-nyane njengabakulu, umfundisi njengomfundi.

9 Kwa ti inkato yokuqala ya dhla uAsafa ngoJosefa, e yesibili uGedalia; yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

10 E yesitatu uZaka, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

11 E yesine uIzri, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

12 E yesihlanu uNatania, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

13 E yesitupa uBukia, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

14 E yesikombisa uJesharela, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

15 E yesishiyagalombili uJeshaia, yena namadodana ake nabazalwana bake, ba be ishumi nambili.

16 E yesishiyagalolunye uMatania, yena namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

17 E yeshumi uShimi, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

18 E yeshumi nanye uAzareli, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

19 E yeshumi nambili uHashabia, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

20 E yeshumi nantatu uShubaeli, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

21 E yeshumi nane uMatitia, yena namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

22 E yeshumi nesihlanu uJeremote, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

23 E yeshumi nesitupa uHania, yena, namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

24 E yeshumi nesikombisa uJoshbe-

kasha, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

25 E yeshumi nashiyagalombili uHanani, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

26 E yeshumi nashiyagalolunye uMaloti, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

27 E yamashumi amabili uEliata, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

28 E yamashumi amabili nanye uHota, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

29 E yamashumi amabili nambili uGidalti, yena, namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

30 E yamashumi amabili nantatu uMahazoti, yena, namadodana ake nabazalwana bake ba be ishumi nambili:

31 E yamabili nane uRomantieza, yena, namadodana ake, nabazalwana bake ba be ishumi nambili.

#### ISAHLUKO 26.

**N**GEZAHLUKANISO zabalindiminyango: KumaKori kwa ku uMeshelemia indodana ka Kore o wamadodana ka Asafia.

2 Amadodana ka Meshelemia, izibulo uZekaria, owesibili uJediale, owesitatu uZebadia, owesine uJatnieli,

3 E yesihlanu uElami, e yesitupa uJehohanani, e yesikombisa uElieoenai.

4 uObedi-edomi wa e namadodana, e yamazibulo uShemaia e yesibili uJehozabada, e yesitatu uJoa, e yesine uSakari, e yesihlanu uNetaveli.

5 E yesitupa uAmieli, e yesikombisa uIsakari, e yesishiyagalombili uPeuletai: uTixo wa m busisa.

6 NoShemaia, indodana yake wa zala amadodana a e busa endhlini ka yise, ngokuba a be abantu aba namandhla, amaqawe.

7 Amadodana ka Shemaia; Otni noRefaeli, noObedi noElizabadi abafu wabo ba be amadoda a namandhla uElihu, noSemakia.

8 Bonke laba kumadodana ka Obedi-edomi: bona namadodana abo nabafo wabo, ba be abantu abaqinileyo a ba namandhla enkonzweni, ba be amashumi a isitupa nambili baka Obedi-edomu.

9 uMeshelemia wa be namadodana, nabafo wabo abantu aba qinileyo, ishumi nashiyagalombili.

10 uHosa waba kwa Merari wa be namadodana, uSimiri omkulu, (noko wa e ngesiywe owamazibulo, nokuba uyise a menza mkulu;)

11 uHilkia owesibili, uTebalia owesitatu, uZekaria owesine: amadodana onke nabafo wabo baka Hosa ba be ishumi nantatu.

12 Pakati kwa lezi zahlukaniso zabaludiminyango ezinhlokweni zabantu kwa ku kona ukulianda njengabazalwana babo, nokukonza endhlini ka Tixo.

13 Benza inkato abancinyane njengabakulu njengendhlu ya oyise, emasangweni onke.

14 Inkato ya sempumalanga ya dhla uShelemia. Ku njalo uZekaria indodana yake, ilunga eli hlakanipileyo, benza inkato; yena wa dhliwa e ya senyakato.

15 E ya seningizimu ya dhla uObiedomu namadodana ake ukulinda indhlu yempahla.

16 uShupime noHosa ba dhliwa inkato ya sentyonalanga, esangweni uShalehete nga sendheleni yokwenyuka, ukulianda ku bekelene:

17 Ngasempumalanga ba be kona aba Levi aba isitupa ngasenyakato be bane ilanga li linye, ngaseningizimu be bane ilanga li linye: na ngasendhlini yempahla ba ba babili ngababili.

18 Nga seParba entyonalanga, ba ba bane endheleni yokwenyuka, eParba ba ba babili.

19 Iezi zi izigaba zabalindiminyango kumadodana ka Kore na kumadodana ka Merari.

20 NakubaLevi, uAhija wa e pezu kwempahla yendhlu ka Jehova, na pezu kwemfuyo yokwahlukanisiweyo.

21 Amadodana ka Ladani; oku amadodana endhlu ngoGershoni aba kwa Ladani aba izinhloko zezindhlu za oyise ka Ladani umGershoni, uJehieli,

22 Amadodana ka Jehieli; uZetamu, noJoeli umfo wabo ba be pezu kwempahla yendhlu ka Jehova.

23 KumaAmramu, amaIzari, amaHebroni namaUzieli:

24 uShebueli indodana ka Gershoni, indodana ka Mosi wa e umbusi wemfuyo.

25 Nabazalwana bake ngoEliezari: uRehabia indodana yake, uJeshaja indodana yake, uJoramu indodana yake, uZikri indodana yake, noShelomite indodana yake.

26 uShelomite lowo, nabafo wabo, ba be pezu kwemfuyo yokwahlukanisiweyo e ya yahlukaniswe uDavida inkosi, nezikulu za oyise nezinduna zezinkulungwane, nezamakulu nezempi.

27 O kwempango nokokulwa kwahlukaniselwa ukulungisa indhlu ka Tixo.

28 Konke o kwahlukaniswa uSamueli umprofeti, noSauli indodana ka Kishi, noAbneri indodana ka Neri, noJoabi indodana ka Zerua, konke okwahlukaniswayo kwa ba pansi kuka Shelomite nabazalwana bake.

29 KumaIzari, uKenania namadodana ake wa be pezu komsebenzi wa pandhle kwa Israeli, ba be izinduna nabahluli.

30 KumaHebroni uHashabia nabazalwana bake abantu aba amaqawe, inkulungwane namakulu a isikombisa ba be izinduna za kwa Israeli nganeno kweJordanani nga sentyonalanga, emsebenzini wonke ka Jehova na senkonzweni yenkosi.

31 KumaHebroni uJerija wa ye omkulu kumaHebroni, njengezizukulwana za oyise. Ba funwa, ngomnyaka wamashumi amane wokubusa kuka Davida kwa ti kwa funyanwa pakati kwabo abantu aba namandhla, amaqawe eJaza lase Giladi.

32 Abazalwana amaqawe ezinkulungwaneni ezimbili namakulu a isikombisa izikulu za oyise bezindhlu uDavida wa ba misa pezu kwamaRubeni, namaGadi nenxenywe yesizwe sika Manasa, ngomsebenzi wonke ka Tixo nedaba yenkosi.

## ISIAHLUKO 27.

**A**BANTU ba kwa Israeli, ngomumo wabo izinhloko zezindhlu, namakosana ezinkulungwane namakulu nezinduna zawo eza konza enkosini ezindabeni zonke zezigaba eza zi ngena neza zi puma izinyanga ngezinyanga, ezinyangeni zonke zomnyaka, isigaba si sinye sa si zinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

2 Pezu kwesigaba sokuqala ngenyanga yokuqala kwa ku uJashobamu indodana ka Zabdieli: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

3 Kubantwana baka Farezi o wa e inhloko yezinduna zonke zempi enyangeni yokuqala.

4 uDodo umAhoi wa e pezu kwesigaba senyanga yesibili esigabeni sake uMikloti wa e umbusi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

5 Induna yesitatu yempi ngenyanga yesitatu ya i uBenaia indodana ka Jehoida umpristi omkulu: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

6 Lo uBenaia iqawe kwa ba amashumi amatatu wa e pezu kwamashumi amatatu. uAmizabade indodana yake wa e kwesigaba sake.

7 Owesine ngenyanga yesine kwa ku uAsaheli umfo wabo ka Joabi, uZebadia indodana yake emva kwake: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

8 Owesihlanu ngenyanga yesihlanu kwa ku uShamhute umIzrahi induna: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

9 Owesitupa ngenyanga yesitupa kwa ku Ira indodana ka Ikeshi umTekoi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

10 Owesikombisa, ngenyanga yesikombisa kwa ku uHelezi umPeloni o wamadodana ka Efraimi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

11 Owesishiyagalombili ngenyanga yesishiyagalombili kwa ku uSibekai umHushati kumaZahi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

12 Owesishiyagalolunye ngenyanga yesishiyagalolunye kwa ku Abiezeri umAnetoti kumaBenjamini: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

13 Oweshumi ngenyanga yeshumi kwa ku uMaharai umNetofati, kumaZahi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

14 Oweshumi nanye ngenyanga yeshumi nanye kwa ku uBenaia umPiraton kumadodana a kwa Efraimi: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

15 Oweshumi nambili ngenyanga yeshumi nambili kwa ku uHeldai umNetofati ka Otnieli: Esigabeni sake ba be izinkulungwane ezi amashumi amabili nane.

16 Pezu kwezizwe za kwaIsraeli: kumaRubeni uEliezari indodana ka Zikri

wa e umbusi kumaSimeoni, uShefatia indodana ka Maka:

17 KumaLevi uHashabia indodana ka Kemueli: kwa ba ka Aroni uZadoki:

18 Kwa ba ka Juda uElihu owabazalwana baka Davida: kwa ba ka Isakari uOmri indodana ka Mikaeli.

19 Kwa ba ka Zebuloni uIshimaa indodana ka Obadia: kwa ba ka Naftali uJerimote indodana ka Azrieli.

20 Kumadodana ka Efraimi, uHoshea indodana ka Azaria, enxenye yesizwe sika Manasa uJoeli indodana ka Pedaia:

21 Kwenye inxenye yesizwe sika Manasa eGiladi uIddo indodana ka Zekaria: kumaBenjamini uJasieli indodana ka Abneri:

22 KumaDani uAzareli indodana ka Jerohamu. Laba ba amakosana ezizwe za kwa Israeli.

23 uDavida a ba balanga aba neminyaka e mashumi mabili, naba ngapansi ngokuba uJehova wa e tembisile ukwandisa uIsraeli njengezinkanyezi zezulu.

24 uJoabi indodana kaZerua wa gala ukubala kodwa a ka qedanga ngokuba ngenxa ya loko kwa ba kona ulaka pezu kwabaIsraeli, umumo ka wu bekwangca encwadini yezindaba yenkosi uDavida.

25 uAzmaveti indodana ka Adieli wa e pezu kwemfuyo yenkosi na pezu kwezindhlu zokudhla endhla na semizini na semizaneni na sezinqabeni kwa ku uJonatani indodana ka Uzia.

26 Pezu kwezisebenzi zamasimu zokulima umhlabati kwa ku Ezri indodana ka Kelube.

27 uShimi umRamati wa e pezu kwezivini nowa e pezu ko kwa ku sezivini iwaini lokubekwa kwa ku uZabdi umShifni:

28 uBalahanani umGederi wa e pezu kwemigwenya nemiti yesikamore o kwa ku sematafeni pezu kwemigodi yamafuta kwa ku uJoashi.

29 Pezu kwemihlambi e ya i dhla eSharoni kwa ku uShitrai umSharoni na pezu kwemihlambi e sezimfundeni kwa ku uShafati indodana ka Adlai:

30 Pezu kwamakamelo kwa ku Obile umIshmaeli; na pezu kwezinjomane kwaku uJedeia umMeronoti.

31 Pezu kwemihlambi kwa ku uJazize umHageri. Bonke laba ba be ababusi bemfuyo yenkosi uDavida.

32 uJonatani, uyisekazi ka Davida wa e ilunga; umuntu o hlakanipileyo, nombali uJehieli indodana ka Hlakmoni wa e kanye namadodana enkosi.

33 uAhitofeli wa e umyali wenkosi: uHushi umAki wa e ilunga lenkosi.

34 uJehoida indodana ka Benaia wa e pausi kuka Ahitofeli, noAbiatar. Indu- na yempi yenkosi ya i uJoabi.

### ISAHLUKO 28.

**U**DAVIDA wa buta onke amakosana a kwa Israeli, amakosana ezizwe, amakosana ezigaba, e za kouza inkosi, neziinduna zezinkulungwane, nezama- kulu, nababonisi bemfuyo yonke, nabe- zinkomo zenkosi, nezamadodana ayo, kanye nabakulu, namaqawe, nabo bo- nke abantu aba namandhla eJerusalema.

2 uDavida inkosi wema ngezinyawo zake, wa ti, ngi zweni bazalwane bami, nabantu bami, be ku senhliziyweni ya- mi ukwakela, umpngolo wesivumelwa- no ka Jehova indhlu yokuhlala nyese- nabelo sika Tixo wetu, nga lungisela ukwaka.

3 uTixo wa ti kimi a u yi kulakela igama lami indhlu, ngokuba kade u umuntu wokulwa u eita igazi.

4 uJehova uTixo ka Israeli wa ngi keta endhlini yonke ka baba ngi be inkosi pezu kwabaIsraeli ku ze ku be pakade: ngokuba u ketile uJuda a be umbusi; endhlini ka Juda, indhlu ka baba napakati kwamadodana ka baba wa ngi tanda wa ngenza inkosi pezu ku ka Israeli wonke.

5 Kuwo onke amadodana ami (loku uJehova e ngi pile amadodana amani- ngi) u ketile uSolomona indodana yami ukuhlala esihlalweni sobukosi sombuso ka Jehova pezu kuka Israeli.

6 Wa ti kimi, uSolomona indodana ya- ko, u yena o ya ku kwaka indhlu yami, namabala ami, ngokuba ngi m ketile a be indodana yami, mina ngi za kuba uyise.

7 Ngi ya kuqinisa umbuso wake ku ze ku be pakade, uma e qinile ukwenza imiyalo yami, nokwahlula, kwami nje- nga namhla.

8 Kalokuke, emehlweni ka Israeli wo- nke, inhlango ka Jehova na sezi- ndhlebeni zika Tixo wetu geinani ni fune imiyalo yonke ka Jehova uTixo wenu, ukuze ni li fuye izwe elihle ni li shiye emva kwenu li be ifa laba- ntwana benu ku ze ku be pakade.

9 Wena, Solomona indodana yami, azi uTixo ka yihlo, u m konze ngenhliziyo e peleleyo, nangompefumlo o vumayo: ngokuba uJehova u hlolisisa izinhliziy- zonke, wazi izizindhlo zonke zemicaba- ngo: uma u m funa u ya kumfuma- na; uma u m dela u ya kukulahla u ngunapakade.

10 Hlakanipake ngokuba uJehova u ku ketile ukwaka indhlu i be indawo e ngewele; qinake u kwenze.

11 uDavida wa nika uSolomona indo- dana yake, umfanekiso, wesango nowe- zindhlu zalo, nowezindhlu zemfuyo za- lo, nowezipezulu, nowezipakati, nowe- ndhlu yesihlalo somusa.

12 Nomfanekiso wako konke inhliziyo yake e ya i ku cabanga ngamabala endhlu ka Tixo na ngezindhlu zonke inxa zonke nangezindhlu zemfuyo ye- ndhlu ka Tixo, nangezifuyo yokwa- hlukanisiweyo:

13 Na ngezigaba zabapristi, nezaba- Levi, na ngomsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova, na ngezitya zonke zenkonzo zendhlu ka Jehova.

14 Wa nikela isilinganiso segolide lezi- nto zonke zegolide zenkonzo yonke, na ngezinto zonke zesiliva ngesilinganiso, ngezinto zonke zenkonzo yonke.

15 Isilinganiso seziuti zezibani zego- lide, nezibani zazo zegolide, njengesili- nganiso sezinti zonke nezibani zazo, ne- zinti zesiliva ngesilinganiso soti, neziba- ni zalo, njengomsebenzi wezinti zonke zezibani.

16 Negolide ngesilinganiso lamatebula ezinkwa zokubhekela, amatebula onke: nesiliva lamatebula esiliva.

17 Negolide elihle lezimfoloko, nama- boli, nezindebe: nezitya zonke zegolide ngesilinganiso na ngezitya zonke zesili- va, wa nika isiliva ngesilinganiso.

18 Nomfanekiso welati lempepo, igo- lide elihle ngesilinganiso, nomfanekiso wenqola amakerubi egolide elulile ama- piko awo a sibekela umpngolo wesivu- melwano sika Jehova.

19 Konke loku u ngi fundisile ngoku- loba ngesandhla sika Jehova pezu kwa- mi imisebenzi yonke u lomfanekiso.

20 uDavida wa ti kuSolomona indo- dana yake, qina u be nesibindi, u kwe- nze: u ngesabi u nga peli amandhla, ngokuba uJehova uTixo, uTixo wami u ya kuba nawe; a ka yi kunqamuka ku- we, a ku shiye; u ze u pele umsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova.

21 Bhekake izigaba zabapristi nezaba-Levi zo ba nawe enkonzweni yonke yendhlu ka Tixo: nabantu bonke abahla-kanipileyo abavumayo ba ya kuba nawe emisebenziyi yonke yenkonzo: nama-kosi, nabantu bonke ba ya kuba sezi-ndabeni zonke zako.

ISAHLUKO 29.

U**DAVIDA** inkosi wa ti, kuyo yonke inhlangano, uSolomona indodana yami uTixo a ni ketileyo yedwa, u se nincane, u tambile, umsebenzi mkulu, ngokuba itempeli a si lo e lomuntu e lika Jehova uTixo.

2 Ngi lungisile indhlu ka Tixo wami, ngamandhla ami onke, igolide lo kwegolide isiliva lo kwesiliva netusi lo kwetusi nensimbi yo kwensimbi, nemiti yo kwemiti, amatye eshohamu na wokufakwa, namatye a kazimulayo na nemi-bala eminingi, nezinhlobo zonke zamatye amahle, namhlope amaningi.

3 Futi ngokuba ngi ya tokoza ngen-dhlu ka Tixo wami, ngi nemfuyo yegolide nesiliva, e ngi ku nikeleyo endhlini ka Tixo wami oku pezu kwa-ko konke e ngi ku lungisele indhlu e ingewele.

4 Amatalenta a izinkulungwane ezintatu egolide la seOfire, namatalenta a izinkulungwane ezi isikombisa esiliva eli colisisekileyo, lokuhuqa izindonga zezindhlu:

5 Igolide lo kwegolide nesiliva lo kwesiliva nokomsebenzi wonke wezandhla zezinyanga. Ubani o vumayo namhla ukungewalisela uJehova izandhla zake na?

6 Konake amakosana ezindhlu, nama-kosana ezizwe za kwa Israeli, nezinduna zezinkulungwane nezamakulu ka-nye nababusi bomsebenzi wenkosi ba nikela ngokuvuma.

7 Ba nikela enkonzweni yendhlu ka Tixo amatalenta a izinkulungwane ezi isihlanu egolide namadarike a izinkulungwane ezi ishumi namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi esiliva namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi nashiyagalombili etusi, namatalenta a izinkulungwane ezi ikulu ensimbi.

8 Aba be nawo amatye amahle ba wa nikela emfuyweni yendhlu ka Jehova, ngesandhla sika Jehieli umGershoni.

9 Abantu ba jabula, ngokuba ba be vuma ukunikela ngenhliziyo e pelele-

yo kuJehova, uDavida inkosi wa toko-za kakulu futi.

10 uDavida wa bonga uJehova pambi kwenhlangano yonke: uDavida wa ti, Ma u bongwe Jehova Tixo ka Israeli ubaba ku ze ku be nini na nini.

11 Obako Jehova ubukulu, namandhla, nobuhle, nobumnandi, nobukosi: ngokuba konke oku sezulwini noku semhlabeni, ku okwako, umbuso u ngo wako Jehova, u pakeme u inhloko pezu kwako konke.

12 Ukuceba nodumo ku vela kuwe u ku busa konke; esandhleni sako, ku kona amandhla nokwahlula, ku sesandhleni sako ukukulisa konke, ku be namandhla.

13 Tixo wetuke si ya kubonga, si ya li dumisa igama lako lobukosi.

14 Ngi ubani mina nabantu bami ba ini, ukuba si be namandhla okunikela ngokuvuma kanje na? Ngokuba konke ku vela kuwe, si ku nike okwesandhla sako.

15 Tina si abafu pambi kwako nabahambi njenjobaba betu bonke, izinsuku zetu emhlabeni zi njengetunzi, aliko itemba.

16 Jehova Tixo wetu yonke lempahla e si yi lungisele ukwakela igama lako eli ingewele indhlu i vele esandhleni sako, e yako yonke.

17 Ngi yazi Tixo wami, ukuba u ya i hlola inhliziyu, u tokoze ngokulunga. Mina ngokulunga kwenhliziyo yami, ngi ku nikele konke loku ngokuvuma, nabantu bako aba kona, ngi ba bonile, ngokujabula, be nikela ngokuvuma kuwe.

18 Jehova Tixo ka Abrahamana noIsaka noIsraeli; obaba betu, ku geine loku ezizindhweni zemicabango yenhliziyu yabantu bako, ku ze ku be pakade u mise inhliziyu yabo kuwe.

19 U nike indodana yami uSolomona inhliziyu epeleleyo, ukugeina imiyalo yako, nemiteto yako, nezimemezelo zako, nokwenza konke nokwaka itempeli e ngi li lungiseleyo.

20 uDavida wa ti kuyo yonke inhlangano, M bongenike uJehova uTixo wenu: Inhlangano yonke ya m bonga uJehova uTixo wa oyise; ba goba amakanda abo ba kotama kuJehova, na senkosini.

21 Ba m hlabela uJehova, ba m nikela iminikelo yokutya kuye, nga ngomuso izinkunzi ezi inkulungwane, nezinqama ezi inkulungwane namaqwane a inkulu-

## II. IZIKRONIKE, 1.

ngwane; neminikelo yabo yokupuza, nemihlatyelo eminingi ka Israeli wonke.

22 Ba dhla ba puza pambi kuka Jehova ngalolosuku ngenjabulo enkulu, ngokwesibili benza uSolomona indodana ka Davida a be inkosi ba m geobela uJehova ukuba a be umbusi, noZadoki a be umpri.

23 uSolomona wa hlala esihlalweni sobukosi sika Jehova e inkosi, esikundhleni sika Davida uyise wa ba nenhlanhla, uIsraeli wonke wa m lalala.

24 Amakosana onke, namaqawe, namadodana onke enkosi uDavida, a zi toba ku Solomona inkosi.

25 uJehova wa m kulisa uSolomona kakulu emehlweni abaIsraeli bonke, wamamkelisa ubukosi bombuso, o bu nga zange bu be kona enkosini ya kwa Israeli ngapambili kwake.

26 uDavida indodana ka Jese wa busa pezu kuka Israeli wonke.

27 Isikati a busa ngaso, pezu kuka Israeli wonke, sa ba iminyaka e amashumi amane: eHebroni wa busa iminyaka e isikombisa; eJerusalema wa busa iminyaka e amashumi amatatu nautatu.

28 Wa fa, e semdala, e neminyaka eminingi, e nengebo nodumo: uSolomona indodana yake wa busa esikundhleni sake.

29 Imisebenzi ka Davida inkosi, e yokuqala neyokugecina, bheka i baliwe encwadini ka Samueli umprofeti, na senewadini ka Natani umprofeti, na senewadini ka Gadi umprofeti.

30 Kanye nokubusa kwake konke namandhla ake, nezikati e za m dhulayo, noIsraeli, nemibuso yonke yamazwe.

## INCWADI YESIBILI

## YEZIKRONIKE.

### ISAHLUKO 1.

**U**SOLOMONA indodana ka Davida wa qiniswa embusweni wake, noJehova uTixo wake wa e naye, wa menza a be mkulu kakulu.

2 uSolomona wa kulumake kubo bu nke abakwaIsraeli, ezinduneni zezinkulungwane nezamakulu, na kubo abahluleli, na kuwo onke amakosi a kwaIsraeli, abakulu ba oyise.

3 Ngako uSolomona nesixuku sonke si naye, ba kupukela endaweni epezulu e seGibeoni, ngokuba la li lapo itabanekele labantu baka Tixo, e lenziwa uMosi ineeke ka Jehova ehlaue.

4 Kodwa umpongolo ka Tixo wa u tatiwe uDavida eKirjat-jearimi wa u yisa endaweni a e u lungisele wona: ngokuba wa u misela utente eJerusalema.

5 Futi ilati letusi e lenziwa uBazalele indodana ka Uri, indodana ka Huri, wa li beka ngapambi kwetabanekele lika Jehova; noSolomona kanye nesixuku ba buza kulo.

6 NoSolomona wa li kupukela ilati letusi ngapambi kuka Jehova, e la li se-

tabanekele lesixuku, wenza imihlabelo e inkulungwane ngapezu kwalo.

7 Ngalobobusuku uTixo wa zibonakalisa kuSolomona, wa ti kuyena, Cela e ngi nga ku nika kona.

8 uSolomona wa ti kuTixo, u bonakalisile umusa omkulu kuDavida ubaba, nami u ngenzile ngi buse endaweni yake.

9 Manjeke O Jehova Tixo, ma li miswe iqiniso lako kuDavida ubaba; ngokuba u ngi misile ngi be inkosi pezu kwabantu aba njengotuli lomhlabati ngobuningi.

10 Ngi nikeke ukuqonda nokwazi, ukuba ngi pume ngi ngene kulaba bantu: ngokuba ubani o nga busa laba bantu bako, abaningi kangaka na?

11 uTixo wa ti kuSolomona, Ngokuba loku kwa ku senhliziweni yako, u nga celanga ingcebo, nemfuyo, nodumo, nomoya wezita zako, u nga celanga futi ukupila okude; kodwa wa zi celela ukuqonda nokwazi, ukuba u buse abantu bami, e ngi ku misele bona:

12 Ukuqonda nokwazi ku ya nikwa wena; nami ngo ku nika ingcebo, ne-

## II. IZIKRONIKE, 2.

mfuyo, nodumo, ngapezu kwawo onke amakosi o wa landelayo wena, na kubo bonke a ba ya kukulandela.

13 uSolomona wa pumake endaweni e pezulu e seGibeoni wa ya eJerusalema, ngapambi kwetabanekele lesixuku, wa busa pezu kwabaIsraeli.

14 uSolomona wa buta izincwele, nabamahashi; wa ba nezincwele ezi inkulungwane namakulu amane, nabamahashi be izinkulungwane ezi ishumi namibili, wa ba beka emizini yezincwele, na kuyo inkosi eJerusalema.

15 Nenkosi yenza eJerusalema isiliva negolide la njengamatye ngobuningi, nemiti yesedare wa yenza njengesikamore e se semfundeni ngobuningi.

16 uSolomona wa kipa amahashi Egipte, nendwangu: nabatengi benkosi ba i tenga indwangu ngenani.

17 Ba kipa Egipte inewele ngamashekelisi esiliva a ngamakulu a isitupa, nehashi ngekulu namashumi a isihlanu; ba kipelake onke amakosi amaHitti, amahashi, namakosi aseSiria, ngenxa yamandhla abo.

### ISAHLUKO 2.

**U**SOLOMONA wa qinisela ukuba akele igama lika Jehova indhlu, nendhlu yombuso wake.

2 uSolomona wa keta amadoda a izinkulungwane ezi ishumi ukutwala imitwalo, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyagalombili ukumba entabeni, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa uku ba mela labo.

3 uSolomona wa tumela kuHuramu inkosi yaseTire, e ti, Njenga loku wa kwenza kuDavida ubaba, wa m tumela amasedare ukuba ake indhlu yake, yenze njalo kimina.

4 Bheka, ngi ya kulakela igama lika Jehova uTixo wami indhlu, ngi i misele yena, ngi tyise ngapambi kwake impepo emnandi, nesinkwa sesibonakaliso esingapeliyo, nemihlabelo etyiswayo kusasa na kusihlwa, ngamasonto, na ngezinyanga ezintya, na ngokudhla oku ingcwele kuka Jehova uTixo wetu, Loku ku isimiso kubo abaIsraeli kuze kube ngunapakade.

5 Nendhlu e ngi yakayo inkulu; ngokuba mkulu uTixo wetu pezu kweziz zonke.

6 Kodwa ubani onamandhla ukumakela indhlu, njenga loku izulu nezulu lamazulu li nge manele, ngi ngubanike

mina ukuba ngi makele indhlu, i be ngeyokutyisa imihlabelo kupela?

7 Ngi tumelake umuntu ohlakanipileyo ekusebenzeni igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, nangokubomvu, nangokubomvu kakulu, nangokuluhlaza, nongalingana ekubazeni kanye namadoda ahlakanipileyo a kimina eJuda naseJerusalema, abaletwe nguDavida ubaba.

8 Ngi tumele futi imiti yesedare, ne yefire, ne yealgame, epuma eLebanoni: ngokuba ngi yazi izinceku zako zi ya kwazi ukugaula imiti eLebanoni; Futi, bheka, e zami izinceku zi ya kuba kanye nezako,

9 Ukungilungisela kakulu imiti; ngokuba indhlu e ngi za ku yaka i ya kuba nkulu kakulu.

10 Futi, bheka, ngi ya kunika izinceku zako, ababazi bemiti, izilinganiso zokolweni ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili, nezilinganiso zebarle ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, nezewaini, nezamafuta.

11 uHuramu inkosi yaseTire ya se i pendula kuSolomona ngokuloba, ya ti, uJehova ngokutanda abantu bake wa kwenza u be inkosi pezu kwabo,

12 uHuramu wa ti futi, Ma ka busiswe uJehova uTixo ka Israeli, o wenza izulu nomhlaba, o wa nika uDavida inkosi indodana ehlananipileyo, e nokuqonda nokwazi, e ngakela uJehova indhlu, nendhlu yombuso wake.

13 Ngi m tumelake umuntu ohlakanipileyo o nokwazi ka Huramu ubaba,

14 Indodana yowesifazana samadodakazi ka Dani, noyise wa e ngumuntu weTire, e hlakanipile ekwenzeni igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, namatye, nemiti, nokubomvu, nokuluhlaza, nendwangu enhle, nokubomvu kakulu; nokubaza konke oku bazwayo, nokuveza yonke imikubana aba i funayo, kanye nabako, nabenkosi yami uDavida uyihlo.

15 Manjeke inkosi yami ma i tumele kuzo izinceku zayo loko e kulume ngako, ukolweni, nebarle, namafuta, newaini:

16 Nati si ya kugaula imiti eLebanoni, o ku ku lingeneyo; si ku letele yona eJafo, ngendhlela yolwandhle; nawe u i kupulele eJerusalema.

17 uSolomona wa bala bonke abeziswe aba sezweni lakwa Israeli, njengokubalwa kwabo nguDavida uyise kwa bonakala ukuba ba izinkulungwane ezi ikulu

namashumi a isihlanu, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa.

18 Wa keta kubona izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa ba twale imitwalo, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyagalombili ukumba entabeni, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa ukumela nokusebenzisa abantu.

ISAHLUKO 3.

**U**SOLOMONA wa qalake ukuyaka indhlu ka Jehova eJerusalem entabeni iMoria, lapo uJehova wa zibonakalisa kuDavida uyise, kuyo indawo e ya lungiswa uDavida endaveni yokubula ka Ornani umJebusi.

2 Wa qala ukwaka ngosuku lobubili lwenyanga yesibili, ngomnyaka wobune wokubusa kwake.

3 I lezike izinto e za qondiswa uSolomona ekwakeni kwake indhlu ka Tixo. Ubude bamakubiti ngesilinganiso sakuqala sa si ngamakubiti a ngamashumi a isitupa, nobubanzi amakubiti a ngamashumi amabili.

4 Novulanda o ngapambili kwendhlu ubude balo ba lingana nobubanzi bendhlu, amakubiti a ngamashumi amabili, nobude bu ikulu namashumi amabili; wa li nameka ngapakati ngegolide elihle.

5 Nendhlu enkulu wa i peta ngomuti wefire, wa li xuba negolide elihle, wa beka kona imiti yomtemari namakatango.

6 Wa hlobisa indhlu ngamatye a igugu, negolide la li igolide leParvaimi.

7 Futi wa i nameka indhlu, izingongolo, nezinsika, nezindonga, neminyango, ngegolide; wa baza amakerubimi ezindongeni.

8 Wenza indhlu e ingwele kakulu, ubude bayo bu njenga ububanzi bendhlu, amakubiti a ngamashumi amabili, nobubanzi bu ngamakubiti a ngamashumi amabili; wa i nameka ngegolide elitya, inani li ngamatalenta a ngamashumi a isitupa.

9 Nesikalo sezipikili sa si ngamashekelu a ngamashumi a isihlanu egolide. Wa nameka izindhlu zapezulu ngegolide.

10 Nakuyo indhlu e ingwele kakulu, wenza izitombe ezibili zamakerubini, wa zi nameka ngegolide.

11 Neziuhlangoti zamakerubini za zi ngamakubiti a ngamashumi amabili ngobude, olunye uhlangoti lu ngamakubiti a isihlanu, lu fika odongeni lwe-

ndhlu; nolunye uhlangoti lwa lu njalo futi, lwa fika kolunye udonga.

12 Nolunye uhlangoti lolunye udonga lwa ngamakubiti a isihlanu, lu fike odongeni lwendhlu; nolunye lu njalo futi, lwa hlanguana nolunye uhlangoti lolunye udonga.

13 Ukwanda kwazo lezinhlangothi zamakerubini kwa ku ngamakubiti a ngamashumi amabili; zema ngezinyawo zazo, ubuso bu pakati.

14 Neveli wa lenza laba luhlaza, nokubomvu, nokubomvu kakulu, nendwangu ehle, wenza zamakerubini kona.

15 Wenza futi ngapambi kwendhlu izinsika ezibili, ubude bazo bu ngamakubiti a ngamashumi amatatu nesihlanu, nezihlokwana ezi ngapezu kwazo zi ngamakubiti a isihlanu.

16 Wenza namakatango, wa wa beka pezu kwamakanda ezinsika; wenza namarimoni a ikulu wa wa beka pezu kwamakatango.

17 Wa vusa lezo nsika ngapambi kwetempeli, enye ngalapa, nenye ngalapa; e ya ngasesokumene wa i biza ngokuti uJakini, ne ya ngasokohlo uBoazi.

ISAHLUKO 4.

**W**ENZA futi ilati letusi, amakubiti a ngamashumi amabili ubude, nobubanzi futi, ukupakama kwalo ku ngamakubiti a ishumi.

2 Wenza futi icibi lamanzi lamakubiti a ishumi, li indilinga, ukupakama kwalo li ngamakubiti a isihlanu; li haqwa ngentambo yamakubiti a ngamashumi amatatu,

3 Ngapansi kwalo kwa izitombe zeinkabi, za li haqa: zi ishumi ngekubiti linye, zi wa haqa amanzi lawo. Izinhla izibili zeinkabi za bazwa lapo kwenziwa loko.

4 Lema pezu kwezinkabi ezi ishumi nambili, ezintatu zi bheka ngasenyakato, nezintatu ngasentyonalanga, nezintatu ngaseingizimu, nezintatu ngasempumalanga; necibi la bekwa ngapezu kwazo, nezinqe zonke za zi ngapakati.

5 Nohlouze lwalo lwa ngangobubanzi besandhla, na ngapezulu ku fana nesitya, si nezimbali; lamukela ngapakati izitya zokugeza ezi zinkulungwane ezintatu.

6 Wenza futi izityana ezi ishumi, wa beka isihlanu ngalapa, nesihlanu ngalapa, ukuhlambela kona, nemihlabelo etyiswayo ba i gezela kom; kodwa icibi lenzelwa ukugeza abapristi bodwa.



7 Wenza izinti zamakandelo ezi ishumi zegolide, njengokuma kwazo, wa zi beka etempeleni, isihlanu ngalapa nesihlanu ngalapa,

8 Wenza futi amatebula a ishumi, wa wa beka etempeleni, isihlanu ngalapa nesihlanu ngalapa, wenza futi izitya ezi ikulu zegolide,

9 Wenza futi ikamelo labapristi, nekamelo elikulu, nezivalo zekamelo, wa gqiza izivalo ngetusi.

10 Wa beka icibi, ngakwesokuponsa ngasempumalanga, na ngaseningizimu.

11 NoHuramu wenza amabodwe, namafosholo, nezitya. NoHuramu wa wu qeda umsebenzi wendhlu ka Tixo a e wenzela inkosi uSolomona;

12 Lezo usika ezibili, namagobongo, namakanjana a e ngapezu kwezinsika, nemiqele emibili ukusibekela amagobongo amabili awo amakanjana a ngapezu kwezinsika.

13 Namarimoni a ngamakulu amaanepezu kwemiqele leyo; izindhla ezibili zamarimoni ku inqele munye, ukusibekela amakanjana a sezinsikeni.

14 Wenza futi izisekelo, nezitya pezu kwazo;

15 Icibi linye, nezinkabi ezi ishumi ngapausi kwalo.

16 Namabodwe, namafosholo, nezindobo zenyama, nako konke aba kudingileyo, uHuramu uyise wenzela inkosi uSolomona ku be okwendhlu ka Jehova, ngetusi elikazimulayo.

17 Inkosi ya zi bumba etafeni leJordanani, kulo ibumba eli ngapakati kweSukoti neZeredata.

18 Njaloke uSolomona wenza lezi zitya za zi ningi kakulu; nesikalo salo itusi sa si nge tolwe muntu.

19 uSolomona wenza zonke izitya zendhlu yenkosi, nelati legolide, namatebula esinkwa sesibonakaliso;

20 Futi izinti zamakandelo, kanye namalampe azo, wa zenza ngegolide elihle, ukuba zi baneke kahle.

21 Nezimbali, namalampe, no dhlanu, wa kwenza ngegolide eli peleleyo.

22 Wenza ngegolide elipeleleyo, nesizenze nezitya, nezinkezo neziko; nasekungenezi kwendhlu, nezivalo zapakati ezingasendaweni e ingeweke, nezivalo zendhlu yetempeli, za zi negolide.

#### ISAHLUKO 5.

**N**GAKOKE wonke umsebenzi owenziwa uSolomona endhlini ka Jehova

wa pela: uSolomona wa ngenisa zonke izinto eza nikwa uDavida uyise; nesiliva, negolide, nayo yonke impahla, wa i beka kanye namagugu endhlu ka Tixo.

2 Wa ti uSolomona wa butela eJerusalem zonke izikulu zakwa Israeli, nama-kauda onke ezizwe, nomkulu wa oyise babantwana baka Israeli, ukukupula umpongolo wesivumelwano sika Jehova, be wu susa emzini ka Davida, o seZioni.

3 Ngako onke amadoda akwa Israeli a butana enkosini, ngesikati somhlhelo o senyangezi yesikombisa.

4 Zonke izikulu za kwa Israeli zeza; nabaLevi ba twala umpongolo.

5 Ba wu kupula umpongolo, netabanekele lesixuku, nezitya zonke ezi ingeweke eza zi kulo itabanekele, loko kwa kutyulwa abapristi nabaLevi.

6 Futi inkosi uSolomona, naso sonke isixuku sakwa Israeli e sa si butene kuyena ngapambi kompongolo, ba hlaba izimvu nezinkabi, ezi nge balwe muntu ngobuningi.

7 Nabapristi ba ngenisa umpongolo wesivumelwano sika Jehova endaweni yawo, engosini yendhlu, kuyo indawo e ingeweke kakulu, ngapansi kwamapiko amakerubimi;

8 Ngokuba amakerubimi elula amapiko awo ngapezu kwendawo yompongolo, namakerubimi a wu sibekela umpongolo.

9 Ba vula izindawana zompongolo, ukuze zi bonakale ngapakati kwendhlu, kodwa zi nga bonakali ngapandhle, ku njaloke na namuhla.

10 Ngapakati kompongolo kwa ku kona amatebula amatye amabili, a be- kwa uMosi pakati eHorebe, kupela, ngesikati sokwenza kuka Jehova isivumelwano nabantwana baka Israeli, lapo be pumayo Egipte.

11 Kwa ti, se be pumile abapristi endaweni e ingeweke, ngokuba abapristi aba be kona ba be ngabagcotyiweyo be nga hlalalani;

12 Futi abaLevi aba be ngabahlabeleli, bonke aba kwa Asafa, naba kwa Hemani, na ba kwa Jedutuni, namadodana abo, nabafo wabo, be gqoke indwangu emhlope, be pete izingubu, bema ngasempumalanga kwalo ilati ku kona kanye nabo abapristi aba ikulu namashumi amabili be beta amatilongo:)

13 Kwa ti, aba beta amatilongo, naba-

gwabayo, bezwakala kanye kanye eku-konzeni nasekubongeni uJehova; na lapo be vusa izwi labo ngamatilongo na ngezingubu, be dumisa uJehova, be ti, ngokuba u lungile yena; nomusa wake u ma njalo: indhluke ya gewala ifu, indhlu leyo ka Jehova.

14 Abapristi ba hluleka ukukuluma ngenxa yefu: ngokuba ubungewele bu-ka Jehova ba i gewalisa indhlu ka Tixo.

ISAHLUKO 6.

**WA** tike uSolomona, uJehova u tyilo ukuba u ya kuhlala ebumyameni obukulu.

2 Kodwa mina ngi yakile indhlu yokuhlala wena, nendawo yokuba u hlale njalo njalo.

3 Nenkosi ya pendula ubuso bayo, ya busisa sonke isixuku sakwa Israeli, nabo bonke bema ngezinyawo.

4 Wa ti, ma ka busiswe uJehova uTixo ka Israeli, o se kwenzile ngezandhla zake loko a ku kuluma ngomlomo wake kuDavida ubaba, eti,

5 I loku nga kipa abantu bami ezweni lasEgipite, a ngi ketanga muzi kuzo zonke izizwe zakwaIsraeli ukwaka indhlu kona, ukuba li be lapo igama lami; a ngi ketanga muntu futi ukuba a buse abantu bami abaIsraeli.

6 Kodwa ngi ketile iJerusalema, ukuba li be lapo igama lami; nga keta uDavida a be pezu kwabantu bami abaIsraeli.

7 Kwa ku kona enhliziyweni ka Davida ubaba, ukumakela uJehova uTixo ka Israeli indhlu.

8 Kodwa uJehova wa ti kuDavida ubaba, Ngokuba kwa ku kona enhliziyweni yako ukulakela igama lami indhlu, wenza kahle ngokuba kwa ku senhliziyweni yako:

9 Kodwa a ku i ku yaka indhlu wena; kodwa indhlu yegama lami i ya kwakiwa indodana yako e puma okalweni lwako.

10 uJehova u li fezileke izwi a li kulumileyo; mina ngi vukile endaweni ka Davida ubaba, ngi bekiwe pezu kwesihlalo sobukosi sika Israeli, njengokuqinisa kuka Jehova, ngi yakile futi indhlu yegama lika Jehova uTixo ka Israeli.

11 Nompongolo ngi wu bekile pakati, kwayo, o pete isivumelwano sika Jehova, a senzileyo nabantwana baka Israeli.

12 Wema ngapambi kwelati lika Je-

hova, e bukwa isixuku sonke sakwa Israeli, welula izandhla zake:

13 uSolomona wa e yenzile indawo yokuma ngetusi, ubude bu ngamaku-biti o isihlanu, nobunzani futi, noku-pakama ku ngamakubiti amatatu, wa i beka ngapakati kwendhlu, wema kuyo, wa guqa ngamadolo ngapanbi kwaso sonke isixuku sa kwaIsraeli, welula izandhla zake ngesazulwini.

14 Wa ti, O Jehova Tixo ka Israeli, ka i ko inkosi e njengawe, ezulwini nase-mhlabeni; e londayo isivumelwano, nomusa ezincekwini zayo, ezi hamba ngapambi kwako ngezinhliziyo zonke zazo:

15 Wena o ku londileyo loko o wa ku qinisela ineeuku yako uDavida ubaba; u kuluma ngomlomo wako, u gewalisa ngesako isandhla, njenga loku ku njalo namuhla.

16 Manjeke o Jehova Tixo ka Israeli, a ku be njalo loko o wa ku qinisela uDavida ubaba, u ti, A ka yi ku puta umuntu emehlweni ami o ya ku hlala esihlaliweni sobukosi buka Israeli, ba qondeke abantwana bako, ukubamba ngendhla yomteto wami, njengokuhamba kwako ngapanbi kwami:

17 Manjeke o Jehova Tixo ka Israeli, ma li qiniseke izwi lako, o li kulumileyo kuyo ineeuku yako uDavida.

18 Kodwa uTixo u ya kuhlala nempe-la nabantu emhlabeni na? bheka, izulu nezulu lamazulu li nge kwanele wena, kakulu kanjanike lendhlwana e ngi yakileyo na?

19 Lalelake umtandazo wenceku yako, nokucela kwake, o Jehova Tixo wami, uku lalala ukukala, nomtandazo wenceku yako ngapambi kwako:

20 Ukuba amehlo ako a vuleke pezu kwa lendhlu emini nasebusuku, kuyo indawo o tyileyo ukuba u ya kubeka igama lako kona; uku wu lalala umtandazo wenceku yako ngayo lendawo.

21 Yizwake ukucela kwenceku yako, nabantwana bako abaIsraeli, ngokukalala kwabo lendawo; yizwa u sezulwini endaweni yako yokuhlala; nalapo u zwayo, yekela.

22 Uma umuntu e nesono kumakelwane wake, a nikwe isifungo ukuba a funge ngaso, nesifungo leso si fika ngapanbi kwako ku lendhlu;

23 Yizwake wena u sezulwini, wenze, wahlulele izinceku zako, u hlupe ababi, u pindisele indhlela yake pezu kweka-

nda lake; wabele kahle olungileyo, u m nike njengokulunga kwake.

24 Uma abantu bako abaIsraeli be hlulwa isita, ngokuba bonile nga kuwena; noko ba buye ba vume igama lako, ba tandaze ba kale ngapambi kwako ku lendhlu;

25 U zweke wena o sezulwiini, u yekele isono sabantu bako abaIsraeli, u ba buyisele futi ezweni o li nike bona noyise babo.

26 Lapo ku valeka izulu, kungeko invula, ngenxa yokona kwabo kuwena; noko uma be tandaza ku leudawo, be vuma igama lako, be penduka esonweni sabo, o wa u ba hlupe ngaso;

27 Uzweke wena o sezulwini, u yekele isono sezinceku zako, nabantu bako abaIsraeli, lapo u su ba fundisile indhlela elungileyo, e nga be hamba ngayo, u tume invula pezu kwezwe lako, oli nikileyo abantu bako li be ifa labo.

28 Uma ku kona indhlala ezweni, nesikonyana, nezinhlupeko zonke; uma izita zabo zi ba vimbela emizini yezwe labo, noma ku hlutyekwa noma ku gulwa:

29 Lapoke umtandazo nokucela oku ya kwenziwa umuntu, noma abantu bonke bako abaIsraeli, i lowo njalo e kwazi okwake ukhlupeka, elule iza ndhla zake ku lendhlu:

30 U zweke wena u sezulwini indawo yokuhlala kwako, u yekele, wabele ku lowo njalo njengezenzo zake zonke, o nhliziyi yake u ya yazi wena; (ngokuba izinhliziyi zabantwana babantu zaziwa nguwe wedwa.)

31 Ukuze be sabe wena, ba hambe ngezindhlela zako, ngokupila konke kwabo ezweni o li nikileyo obaba betu.

32 Futi isihambi o ku ngesiso sabantu bako abaIsraeli, o vela ezweni eli kude ngenxa yegama lako elikulu, nesandhla sako esinamandhla, nomkono wako o weluliveyo; uma be fika be tandaza ku lendhlu;

33 U zweke wena u sezulwini, u sendaweni yokuhlala kwako, u menzele kona konke a ku bizayo kuwena, ukuze abantu bonke bomhlaba ba lazi igama lako, ba kwesabe wena, njengabantu bako abaIsraeli, bazi futi ukuba lendhlu e ngi yakileyo i bizwa ngegama lako.

34 Uma abantu bako be puma ukulwa nezita zabo ngeudhlela o ba tumayo ngayo, be ku tandazela kuwo lomuzi o wu ketileyo wena, nendhlu e ngi yakele igama lako;

35 U zweke umtandazo nokukala kwabo, u sezulwiini, u ba mele bona,

36 Uma ba yona kuwena (ngokuba akako ongoniyo,) nawe u ba tukutelele, u ba nikele izita zabo, nabo ba ba yise be izigqili ezweni elikude, noma eli seduze;

37 Noko uma be penduka kulelozwe aba yiswe kulo, ba buye ba kale kuwena be kulelozwe, be ti, Sonile, si pambukile, senzili ububi.

38 Uma be pendukela wena ngenhliziyi yonke yabo, nangompefumulo wonke wabo kulelozwe lobugqili babo, a ba yiswe kulona, be kalela izwe labo, o li nikileyo oyise babo, nomuzi o ketwe nguwena, na kuyo indhlu e ngi yakele igama lako;

39 U zweke wena u sezulwini, endaweni yokuhlala kwako, umtandazo wabo, nokukala kwabo, u ba mele, u ba yekele abantu bako aba konileyo.

40 Manje, Nkosi yami, ngi ya kuleka, ma a vuleke amehlo ako, nezindhlebe zako ma zi wu zve umtandazo oweuziwayo ku leudawo.

41 Manjeke kupukela endaweni yako yokupumula, O Jehova Tixo, wena, nompongolo wamandhla ako; abapristi bako ma ba gqokiswe ngensindiso, O Jehova Tixo, nabalungileyo bako ma ba jabule ngokulunga.

42 O Jehova Tixo, u nga penduli ubuso bako kogcotyiweyo wako; kumbala umusa ka Davida inceku yako.

#### ISAHLUKO 7.

**L**APO uSolomona e se qedile ukuku-leka kwake, wehla umlilo ezulwini, wa i qeda imihlabelo etyiswayo; nodumo luka Jehova lwa i gewalisa indhlu.

2 Abapristi ba be nge nakungena endhlini ka Jehova, ngokuba udumo luka Jehova lwa lu i gewalisile indhlu ka Jehova.

3 Na lapo bonke abantwana bakwa Israeli ba bona ukwehla komlilo, nodumo luka Jehova pezu kwendhlu, ba kotama pausi ngobuso pezu kwegeceke, ba kuleka, ba konza uJehova, be ti, Ngokuba u lungile yena, umusa wake u ma njalo.

4 Inkosi nabantu bonke ba nikela imihlabelo ngapambi kuka Jehova,

5 Inkosi uSolomona wenza umhlabelo wezinkabi ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili namabili, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ikulu namashumi

amabili; njaloke inkosi nabantu bonke ba yenza ngewele indhlu ka Tixo.

6 Nabapristi ba hlala ezindaweni zabo: namaLevi futi e pete izingumbu zika Jehova, e za zenziwe uDavida inkosi ukudumisa uJehova, ngokuba umusa wake u ma njalo, lapo uDavida e dumisa ngokwenza kwawo; nabapristi ba beta amatilongo ngapambi kwabo, naba kwa Israeli bonke bema.

7 Futi uSolomona wa lenza ngewele ibala eli ngapambi kwendhlu ka Jehova; ngokuba wa tyisa lapo imihlabelo yake, namafuta emihlabelo yokutula, ngokuba ilati letusi elenziwa uSolomona la li nge nakwamkela imihlabelo, ne yenyama, ne yamafuta.

8 Nangalesosikati uSolomona wenza lowo mhlabelelo izinsuku ezi isikombisa, naba kwa Israeli bonke kanye naye, isixuku esikulu kakulu, ku suke ekunge-neni kweHamati ku ze ku fike emfuleni wasEgipite.

9 Nangosuku lwesishiyagalombili benza inhlango e ngewele; ba hlalela ukumiswa kwelati izinsuku ezi isikombisa, nomhlabelelo izinsuku ezi isikombisa futi,

10 Nangosuku lwamashumi amabili nantatu lwenyanga yesikombisa, wa tuma abantu ezindhlini zabo, be jabula ezinhliziyweni zabo, ngomusa ka Jehova a u bonakalise kuDavida, na kuSolomona, na kubo abaIsraeli abantu bake.

11 Njaloke uSolomona wa i qeda indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi; konke okwangena ehliziyweni ka Solomona ukwenza endhlini ka Jehova, na kwe yake indhlu, kwa pelela impela.

12 uJehova wa zibonakalisa kuSolomona ebusuku, wa ti ku yena, ngi wu zwile umtandazo wako, nami ngi zikelele lendawo i be indhlu yomhlabelelo.

13 Uma ngi ya li vala izulu i nga biko invula, noma ngi yazele isikonyane si qede izwe, noma ngi tuma izinhlupeko kubantu bami;

14 Uma abantu bami, aba bizwa ngegama lami, ba ya zitobisa, ba kuleke, ba fune ubuso bami, ba penduke ezonweni zabo; ngi ya kuzwake ngi sezulwini, ngi yekela isono sabo, ngi polise izwe labo.

15 Manje amehlo ami a ya kuvuleka, nezindhlebe zi wu lalele umtandazo owenziwayo ku lendawo.

16 Ngokuba manje ngi i ketile nga yenza ngewele lendhlu, ukuze li be lapo

igama lami ku ze ku be ngunapakade; namehlo ami nenhliziyoyami i be lapo njalo njalo.

17 Naweke, uma u ya hamba ngapambi kwami njengokuhamba kuka Davida uyihlo, wenze ngako konke ukuyaleza kwami, u namatele emitetweni yami, naseminqamulweni yami;

18 Ngo si misake isihlalo sobukosi sombuso wako, njengesivumelwano sami noDavida uyihlo, ngi ti, A ku yi ku pute muntu a be umbusi eIsraeli.

19 Kodwa uma ni ya penduka ni yi shiye imiteto yami, neziyalezo zami, e ngi zi bekileyo ngapambi kwenu, ni hambe ni konze ezinye izitixho, ni zi dumise:

20 Ngi ya kubakipake ngezimpande ezweni e ngi ba nikileyo lona; na lendhlu, e ngi yenze ngewele ngenxa yegama lami, ngi ya kuifihla, emehlweni ami, ngi kwenze ku be isiga ezizweni zonke.

21 Na lendhlu e pezulu, i ya kuba isimangaliso kubo bonke aba dhlulayo; naye u ya kuti, uJehova u kwenzeleni loku ku lelizwe, na kulendhlu na? .

22 Ko pendulwa ku tiwe, ngokuba ba m dela uJehova uTixo wa oyise babo, o wa ba kipayo ezweni lasEgipite, ba bambelela kwezinye izitixho, ba zi dumisa, ba zi konza; ngakoke u bu letile bonke lobu bubi pezu kwabo.

#### ISAHLUKO 8.

**K**WA ti emva kweminyaka e ngamashumi amabili, ngasemva kokwaka kuka Solomona indhlu ka Jehova, nendhlu yake,

2 uSolomona wa i vusa imizi a i nika nguHuramu, wa hlalisa kona aba kwa Israeli.

3 uSolomona wa ya eHamatzoba, wa lahlula.

4 Wa laka neTadmo ehlane, nayo yonke imizi yempahla, a yakileyo eHamati.

5 Waka futi i Beti-horoni ngapezulu, neBeti-horoni e li ngasenzansi, imizi e biyiweyo, e nezindonga, nezivalo, nezi nsika.

6 NeBalati, nayo yonke imizi yempahla e ya i nge ka Solomona, nayo yonke imizi yezinewele, nemizi yabamabhashi, nayo yonke e ya tanda ukwakiwa uSolomona eJerusema, na seLebanoni, na kulo lonke izwe lombuso wake.

7 Abantu bonke aba insali yamaHiti,

neyamaAmori, neyamaPerizi, neyama-Hivi, neyamaJebusi, aba nge sibo aba kwa Israeli.

8 Kodwa kubantwaua babo, insali yabo, ezweni, a ba nga qedwanga aba kwa Israeli, uSolomona wa ba telisake ku ze ku be namuhla.

9 Kodwa uSolomona a ka benzanga izicaka aba kwa Israeli; ba be ngumadoda okulwa, abakulu bezinduna zake, nezinduna zezinewele nabamahashi bake.

10 Abakulu bezinduna zenkosi uSolomona, ba be ikulu namashumi a isihlanu, a ha be busa pezu kwabantu.

11 NoSolomona wa tata intombi ka Faro, emzini ka Davida wa i kupulela endhlini a yakele yona; ngokuba wa ti unkami, a nge hlale endhlini ka Davida inkosi ya kwa Israeli, ngokuba izindawo zi ingewele, lapo ku fike kona umpo- ngolo ka Jehova.

12 uSolomona wenzela uJehova imihlabelel etyiswayo pezu kwelati lika Jehova, a lakileyo ngapambi kwendhlu.

13 E hlabele njalo njengesiyalezo sika Mosi, ngamasabata, nangezinyanga ezintya, nangemihlabele e ingewele, katalu ngomnyaka, ngomhlabele wesinkwa esingakukumileyo, nowamasonto, nowamatabanekele.

14 Wa misa, njengesiyalezo sika Davida uyise, abapristi endaweni yabo, namaLevi kwe yabo, ukukonza nokusebenzela abapristi, njalo ngosuku; nabeminyango njalo eminyango yabo yonke; ngokuba uDavida umuntu ka Tixo wa yaleza njalo.

15 Nabo a ba pambukanga kuso isiyalezo senkosi kubapristi namaLevi ngayo lendaba, na ngawo amagugu.

16 Wonke umsebenzi ka Solomona wa u su lungile ngalo usuku lokwenziwa isisekelo sendhlu, ka Jehova, ya ze ya pela. Njalo ke indhlu ka Jehova ya qedwa.

17 Wa yake uSolomona eEziongaba, naseEloti, ezweni laseEdomi ngaselwandle.

18 uHuramu wa m tumela imikumbi ngezinceku zake, izinceku e za zi lwe jayele ulwandle; za hamba nezinceku zika Solomona eOfire, za tata kona amatenta egolide a ngamakulu amane namashumi a isihlanu, za wa leta kuSolomona inkosi.

### ISAHLUKO 9.

U APO inkosikazi ya seSheba yezwa ngodumo luka Solomona, yeza uku

m linga uSolomona eJerusalema ngemibuzo elukumi, i hamba nesixuku esikulu, namakamelo e twele amaka, negolide eliningi, namatye a igugu: na lapo e se fikile kuSolomona, wa kuluma nayo ngako konke oku senhliziyweni yayo.

2 uSolomona wa i pendula yonke imibuzo yake; a kwa tukuswa luto kuSolomona a nga m tyelanga kona.

3 Lapo inkosikazi ya seSheba ya ku bona ukwazi kuka Solomona, nendhlu a yakileyo.

4 Nenyama yetebula lake, nokuhlala kwezinceku zake, nokufika kwabasizi bake, nokugqoka kwabo; nabapati bezitya zake, nokugqoka kwabo; nendhlela a kupukela ngayo endhlini ka Jehova; a kwabako moya kuyona.

5 Ya ti kuyo inkosi, kwa ku qinisile e nga kuzwayo ngi sezweni lami ngezwezo zako, na ngokwazi kwako.

6 Kodwa a ngi kolwanga amazwi abo, nga ze nga fika, nga bona ngamehlomi; bheka, a ngi tyelwanga nenxenye yobukulu bako nokwazi kwako: ngokuba u ya ludhlula kakulu udumo e ngi lu zwileyo.

7 Ba ya jabula abantu bako, na lezi zinceku zako, e zi ma njalo ngapambi kwako, zi zwa ukuhlakanipa kwako.

8 Ma ka busiswe uJehova uTixo wako, o tandileyo ukukumisa esihlalweni sobukosi bake, u be inkosi kuJehova uTixo wako; ngokuba uTixo wako wa ba tanda abIsraeli, ukubahlalisa njalo njalo, ngakoke wa kwenza u be inkosi pezu kwabo, ukubahlulela kahle.

9 Ya i nika inkosi amatenta egolide a ikulu namashumi amabili, namaka amaningi, namatye a igugu: e ngeko nakanye amaka a njenga lawo a nika uSolomona inkosikazi ya seSheba.

10 Nezinceku zika Huramu, nezika Solomona, e za buya negolide eOfiri, za leta imiti yealgame namatye a igugu.

11 Inkosi yenza ngayo imiti yealgame, izindawo zokunyatela zendhlu ka Jehova, nasesigodhlweni senkosi, nezingumbu zabagwabayo: a kwa bonakala nakanye okunjalo ezweni lakwa Juda.

12 Inkosi uSolomona wa i nika inkosikazi ya seSheba konke e ku funayo, ne ku celileyo, kanye nako a e ku letele inkosi. Ya pendukake, ya buyela ezweni layo, yona nezinceku zayo.

13 Isikalo segolide ela fika kuSolomona ngomnyaka munye, sa si ngamatale-

nta egolide a ngamakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa;

14 Ngapandhle kwa loko okwa letwa abatengi nabatengisi. Namakosi onke a seArabia, nezikulu zezwe za leta isiliva negolide kuSolomona.

15 Inkosi uSolomona yenza izihlangu ezi ngamakulu amabili ngegolide eli kandiweyo: amashekeli a ngamakulu a isitupa egolide elikandiweyo kuso esinye izihlangu njalo.

16 Wenza futi amahau ngamakulu amatatu egolide elikandiweyo: amashekeli a ngamakulu amatatu kulo elinye ihau. Inkosi ya wa beka endhlini yehlathi la seLebanoni.

17 Futi inkosi yenza isihlalo sobukosi esikulu ngezimpondo zendhlovu ya si nameka ngegolide elihle.

18 Kwa ku kona izindhlela ezi isitupa kuso isihlalo, nendawo yezinyawo yegolide, e ya hlanganiswa nesihlalo, nezisekelo ngalapa na ngalapa kwendawo yokuhlala, namabubesi amabili emi nga kuzo izisekelo :

19 Kwema amabubesi a ishumi namibili ngalapa na ngalapa pezu kwezindhlela ezi isitupa. Ku ngeko okunjalo kuyo yonke imibuso.

20 Nazo zonke izitya zokupuzza zenkosi uSolomona, za zi nge zegolide, nazo zonke izitya zendhlu yehlathi la seLebanoni za zi igolide elihle; ku ngeko ezesiliva, la li nge into ya luto ezinsukwini zika Solomona.

21 Ngokuba imikumbi yenkosi ya ya eTarshishi kanye nezineeku zika Huramu, njalo ngeminyaka emitatu i fika imikumbu yeTarshishi i leta igolide, nesiliva, nezimpondo zendhlovu nezimfene, nezinyoni, zezulu.

22 Inkosi uSolomona wa wa dlhula onke amakosi omhlaba ngengecebo, nangokwazi.

23 Onke amakosi omhlaba a m funa uSolomona, ukuzwa ukwazi kwake, oku bekwe uTixo enhliziyweni yake.

24 Ilowo wa leta isipo sake, izitya zesiliva, nezitya zegolide, nezingubo, namaka, namahashi, nezimbongolo, njalo ngomnyaka ngomnyaka.

25 uSolomona wa e nezindawo zama-hashi nezineewe ezi zinkulungwane ezine, nabamahashi aba zinkulungwane ezi ishumi namibili; a ba bekayo emizini yezinewele, na kuyo inkosi eJerusalem.

26 Wa wa busa onke amakosi kwa suka

emfuleni, kwa ze kwa fika ezweni lama-Filisti, na sosebeni lwEgipite.

27 Inkosi yenza isiliva eJerusalem la njengamatye, nemiti yesedare wa yenza ya njengemitombo yesigodi ngobuningi.

28 NabasEgipite ba letela uSolomona amahashi, nabezizwe zonke.

29 Manjeke izenzo zika Solomona, ezakuqala nezokugeina, a zi lotyiwe ini enewadini ka Natani unprofeti, na kuko ukutyjo kuka Ahija umShiloni, na kuzo iziboniso zika Iddo o wa e pambene noJeroboamu indodana ka Nebati na?

30 uSolomona wa busa pezu kwaba-Israeli eJerusalem iminyaka e ngama-shumi amane.

31 uSolomona wa lala nokoko bake, wambelwa emzini ka Davida uyise uRehoboamu indodana yake ya busa esikundhleni sake.

#### ISAHLUKO 10.

UREHOBOAMU wa ya eShekemi ngokuba abaIsraeli bonke beza eShekemi ukumenza a be inkosi

2 Kwa ti lapo uJeroboamu indodana ka Nebati, o wa e sEgipite, lapo wa e balekele uSolomona kona, wa ku zwa loko, uJeroboamu wesuka wa puma Egipite.

3 Ba tuma ba m biza. Ngako uJeroboamu nabaIsraeli bonke, ba fika ba kuluma kuRehoboamu, be ti,

4 Uyihlo wa lenza ijokwe letu li be lukuni; manjeke si pumuze ingeosana emitwalweni ika yihlo, nejokwe lake eli lukuni a e li beke kitina, nati so ku konza wena.

5 Wa ti yena kubona, Buyani ni fike kimina ngasemva kwezinsuku ezintatu. Ba hambake abantu.

6 Inkosi uRehoboamu ya kulumake namadoda amadala a emi ngapambi kuka Solomona uyise e sa pila yena, e ti, Ni ngi siza ngauike ngempendulo e ngi ya ku pendula laba bantu ngayo na?

7 Ba kuluma kuyena, ba ti, Uma u ba nomusa kulaba bantu, u ba jabulise, u kuluma amazwi amahle kubona, ba ya kuba izineeku zako njalo njalo.

8 Kodwa aka ba lalalanga abantu abadala, wa kuluma nezinsizwa eza kula kanye naye, e zema ngapambi kwake.

9 Wa ti kubona, ni yi yalezani ninake impendulo kulaba bantu, aba kulumileyo kimina, be ti, yenza li be lula ijokwe ela bekwa pezu kwetu uguyihlo na?

10 Izinsizwa eza kula naye za kulu-  
ma kuye za ti, u ya kubapendula, u ti,  
Ubaba wa lenza uzima ijokwe letu,  
kodwa lenzeni li be lula nina; u ya  
kuti kubona, Ueikicane wami u ya ku-  
ba mkulu ku nokalo luka baba.

11 Ngokuba ubaba wa beka ijokwe eli-  
lukuni pezu kwenu, mina ngi ya kwa-  
ndisela lona; ubaba wa ni tyaya nge-  
zampokwe, kodwa mina ngo ni tyaya  
ngofezela.

12 Ngako uJeroboamu nabantu bonke  
ba fika kuRehoboamu ngosuku lwesita-  
tu, njengokutyo kwenkosi, i ti, fika futi  
kimina ngosuku lwesitatu.

13 Inkosi ya ba pendula ka lukuni;  
nenkosi uRehoboamu a i lalalanga inku-  
lumo yamadoda amadala.

14 Wa ba pendula ngokuyaleza kwe-  
zinsizwa, wa ti, Ubaba wa lenza nzima  
ijoka lelu, kodwa mina ngi ya kwandisa  
ku loko; ubaba wa ni tyaya ngezampo-  
kwe, mina ngo ni tyaya ngofezela.

15 Inkosike a i ba lalalanga abantu:  
ngokuba kwa ku ngokuka Tixo, ukuze  
uJehova a gwalisele izwi lake, a li ku-  
lumileyo ngesandhla sika Ahija umShi-  
lono kuJeroboamu indodana ka Nebati.

16 Lapo abakwa Israeli bonke ba bona  
ukuba inkosi a i ba lalali ba i pendula,  
ba ti, Si nantoni kuDavida na? a si nalo  
ifa kuyo indodana ka Jese; i lowo  
endhlini yake, o Israeli; manjeke Da-  
vida, zi bhekele eyako indhlu. Ba ha-  
mbake bonke aba kwa Israeli ezindhlini  
zabo.

17 Kodwa uRehoboamu wa ba busa  
abantwana bakwa Israeli a ba be hlezi  
emizini ya seJuda.

18 Inkosi uRehoboamu ya m tuma u  
Hadoramu o wa e ngumpati wefa; na  
bakwaIsraeli ba m gxoba ngamatye, wa  
fa. Kodwa inkosi uRehoboamu ya nge-  
na masinyane enweleni yayo, ya bale-  
kela eJerusalema.

19 Aba ka Israeli ba pambana nendhlu  
ka Davida, ku ze ku be namhla nje.

### ISAHLUKO 11.

**UREHOBOAMU** e se fikile eJerusale-  
ma, wa buta amadoda a ketiweyo a  
izinkulungwane ezi ikulu namashumi a  
isishiyagalombili kwa bendhlu ka Juda  
noBenjamini, amaqawe, ukuhlasela aba-  
ka Israeli, ukuze a wu buyisele futi  
umbuso kuRehoboamu.

2 Kodwa izwi lika Jehova la fika ku-  
Shemaia umuntu ka Tixo, li ti.

3 Kuluma kuRehoboamu indodana ka  
Solomona, inkosi ya kwa Juda, nakubo  
aba ka Israeli bonke nabakwa Juda no-  
Benjamini, u ti,

4 U tyo uJehova, a ni yi ku kupuka, ni  
hlasele abafu benu; buyelani nonke ezi-  
ndhlini zenu; ngokuba loku kwenziwa  
imina. Nabo ba wa lalala amazwi ka  
Jehova, ba penduka ekuhlaseleli uJero-  
boamu.

5 uRehoboamu wa hlala eJerusalema,  
waka imizi e izingaba eJuda.

6 Waka iBetlehema neEtamu, neTe-  
koa,

7 NeBetzuri, neShoko, neAdulamu,

8 NeGati, neMaresha, neZifi,

9 NeAdoraimi, neLakisha, neAzeka,

10 NeZora, noAjalon, neHebroni, imi-  
zi e seJuda naseBenjamini ebiyiweyo,

11 Wa zi qinisa izingaba, wa beka izi-  
nduna kona, nokudhla, namafuta ne-  
waini.

12 Na komunye njalo umuzi wa beka  
izihlangu nemikonto, wa i qinisa kaku-  
lu, e melwa uJuda noBenjamini.

13 Nabapristi namaLevi a kulo lonke  
izwe la kwa Israeli a fika kuye e puma  
kulo lonke izwe labo.

14 AmaLevi a shiya imizi yawo, ne-  
mfuyo yawo, a fika eJuda neJerusalema;  
ngokuba uJeroboamu namadodana ake  
a ba yakisa emsebenzini wabo wabapri-  
sti kuJehova;

15 Wa zi misela abapristi ezindaweni  
ezinkulu, na pezu kwamademoni, na  
pezu kwamankonyana a wenzileyo.

16 Ngasemva kwabo, bona abanhlizi-  
yo zabo zi funa uJehova, uTixo wa kwa  
Israeli, ba puma ezizweni za kwaIsraeli,  
be za eJerusalema ukwenzela uJehova  
uTixo wa kwa Israeli unhlalabelo.

17 Ba wu qinisake umbuso ka Juda,  
benza uRehoboamu indodana ka Solo-  
mona a be namandhla, iminyaka emita-  
tu; ba hamba ngendhlela ka Davida no-  
Solomona, iminyaka emitatu.

18 uRehoboamu wa zi tatela uMaha-  
lati indodakazi ka Jerimote indodana ka  
Davida i be umkake, noAbihaili indoda-  
kazi ka Eliabi indodana ka Jese;

19 Ba m zalela abantwana; uJushi,  
noShamaria, noZahamu.

20 Ngasemva kwake wa tata uMaka  
indodakazi ka Absalom, wa m zalela  
uAbija, noAttai, noZiza, noShelomiti.

21 uRehoboamu wa tanda uMaka  
indodakazi ka Absalom pezu kwabo  
bonke abafazi bake nezincinza zake;

(ngokuba wa tata abafazi aba ishumi nesishiyagalombili, nezineinza ezi ngamashumi a isitupa; wa zala amadodana a ngamashumi amabili nesishiyagalombili, namadodakazi a ngamashumi a isitupa.)

22 uRehoboamu wa menza uAbija indodana ka Maka a be induna, a buse abafa wabo; ngokuba wa cabanga ukumenza inkosi.

23 Wenza ngokuqonda, wa hlakaza abantwana bonke bake kuzo zonke izizwe zakwa Juda noBenjamini, emizini yonke ebiyiweyo; wa ba nika ukudhla okuningi. Wa fisa futi abafazi abaningi.

ISAHLUKO 12.

**K**WA ti lapo uRehoboamu e wu mile umbuso, e se zi qinisile naye, wa wu dela umteto ka Jehova, nabaIsraeli bonke kanye naye.

2 Kwa ti, ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehoboamu, uShishaki inkosi ya sEgipite wa vukela iJerusalem, ngokuba be wa pulile umteto ka Jehova,

3 Wa fika nezincwele ezi ngamakulu a ishumi nambili, nabamahashi be izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa: nabantu ba be nge balwe aba puna naye Egipite, amaLubimi, namaSukimi, naba seEtiopia.

4 Wa i tata imizi ebiyiweyo yakwa Juda, wa fika eJerusalem.

5 Wa fika uShemaia unprofeti kuRehoboamu, nakuwo amakosi akwa Juda, a ba be butene eJerusalem ngenxa ka Shishaki, wa ti kubona, U ti uJehova, ni ngi delile mina, ngakoke ngi ni shiyile esandhleni sika Shishaki.

6 Ngakoke amakosi akwa Israeli nenkosi ba zi tobisa; ba ti, uJehova u lungile.

7 Na lapo uJehova e bona ukuba ba ya zitobisa, izwi lika Jehova la fika kuShemaia, li ti, Ba zitobisule bona; ngako a ngi yi ku ba qeda, kodwa ngi ya kubasiza; nolaka lwami a lu yi ku teleka pezu kweJerusalem ngesandhla sika Shishaki.

8 Noko ba ya kuba izineeku zake ukuze ba wazi owami umsebenzi, nomsebenzi wemibuso yezizwe.

9 Njaloke uShishaki inkosi ya seEgipite ya li fikela iJerusalem, wa mukisa amagugu endhlu ka Jehova, namagugu endhlu yenkosi; wa tata konke; wa mukisa futi izihlangu zegolide e za zenziwe uSolomona.

10 Endaweni lapo inkosi uRehoboamu wa zenza kona izihlangu zetusi, wa zi nikela esandhleni senduna yabalindi, e ya i linda unyango wendhlu yenkosi.

11 Lapo inkosi ya ngena endhlini ka Jehova, umlindi weza wa zi tata, wa zi buyisela futi ekamelweni lomlindi.

12 Na lapo e zitobisa, ulaka luka Jehova lwa buya, ukuba lu nga ni qedi nempela; naseJuda kwa hlaliwa kahle.

13 uRehoboamu inkosi wa zi qinisake eJerusalem, wa busa; ngokuba uRehoboamu wa e neminyaka e ngamashumi amane nanye ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nesikombisa, umuzi o ketwe nguJehova kuzo zonke izizwe zakwa Israeli, ukubeka kona igama lake. Igama lika nina la li uNama wamaAmoni.

14 Wenza okubi, ngokuba a ka i lungisanga inhliziyi yake ukufuna uJehova.

15 Manjeke izenzo zika Rehoboamu, ezakuqala, nezokugcina, a zi lotyiwe encwadini ka Shemaia unprofeti, ne ka Iddo? uRehoboamu noJeroboamu ba be lwa njalo:

16 uRehoboamu wa lala nokoko bake, wambelwa enzini ka Davida: uAbija indodana yake wa busa endaweni yake.

ISAHLUKO 13.

**W**A qala uAbija ukubusa pezu kweJuda ngomnyaka weshumi nesishiyagalombili ka Jeroboamu.

2 Wa busa iminyaka emitatu eJerusalem, Igama lika nina la li ngu Mikaia indodakazi ka Urieli wa seGibea. Kwa ba kona ukuxabaua kuAbija noJeroboamu.

3 uAbija wa i lungisela ukulwa impi yake yamaqawe, amadoda a ketiweyo a izinkulungwane ezi ngamakulu amane noJeroboamu wa lungisa e yake ngamadoda aketiweyo a izinkulungwane ezi ngamakulu a isishiyagalombili, e ngamaqawe nempela.

4 uAbija wema pezu kwentatyana iZemaraimi, e sentabeni Efraimi, wa ti, Yizwani mina, wena Jeroboamu nabaIsraeli bonke;

5 Imbala ka nazi ukuba uJehova uTixo ka Israeli wa nika uDavida umbuso pezu kwabaIsraeli ku ze ku be pakade na? kuyena namadodana ake ngesivumelwano sika saoti na?

6 Noko uJeroboamu indodana ka Ne-



bati, inee ku ka Solomona indodana ka Davida, i vukile, ya hlubuka inkosi yake.

7 Ku butene kuyena amadoda a zidhlayo, abantwana baka Beliali, ba lungisela ukuhlasela uRehoboamu indodana ka Solomona, uRehoboamu e semutya inhliziyo i tanibile, e nge nakuzivikela.

8 Na manje ni funa ukukupha umbuso ka Jehova esundhleni samadodana ka Davida; ni ba ningi kakulu nina, ku kona kanye nani amankonyana egolide, e nenzelwa wona uJeroboamu a be izitixo zenu.

9 A ni ba kipanga abapristi baka Jehova, amadodana ka Aroni, nana Levi, na zenzela abapristi njengendhlela yezinye izizwe, ku ti lowo o fikayo ukukonza e pete inkatyanane nezinqama ezi isikombisa, lowo mhlambe a nga ba umpristi kubo a ba nge izo izitixo.

10 Kodwa uJehova u nguTixo wetu, a si m delanga; nabapristi aba kuluma ka Jehova, ba ngamadodana ka Aroni, nana Levi a namatela kwe yabo imisebenzi:

11 Ba tyisela uJehova kusasa na kusihlwa njalo imihlabelo nempopo emnandi: nesinkwa sesibonakaliso ba si lungisela pezu kwetebula elihle; noti lwekandelo legolide namalampe, ukukanyisa kusihlwa njalo; ngokuba si ya si lalala isiyalezo sika Jehova uTixo wetu: kodwa nina ni m delile.

12 Futi, bhaka, uTixo u kitina a be induna yetu, nabapristi baka be pete amatilongo uku ni vutelela. O bantwana baka Israeli, ni ngalwi noJehova uTixo wa oyihlo benu; ngokuba a ni i kwahlula.

13 Kodwa uJeroboamu wa ba baecisa abanye ngasemva kwabo: bona be ngapambili kweJuda, nabacatyileyo be ngasemuva.

14 Lapo uJuda e bhaka ngasemuva, bhaka, impi ya i ba haqile; ba kala kuJehova, nabapristi ba beta amatilongo.

15 Ba memezake aba kwa Juda: lapo be memezayo, kwa ti, uTixo wa m tyaya uJeroboamu naba Israeli bonke ngapambili kuka Abija noJuda.

16 Abakwa Israeli ba li balekela iJuda: noTixo wa ba nikela ezandhleni zabo.

17 uAbija nabantu baka wa ba bulala ngokubagwaza okukulu: a fa amadoda aketiweyo akwa Israeli a izinkulungwane ezi ngamakulu a isihlanu.

18 Njaloke abantwana baka Israeli ba hlulwa ngalesosikati, nabakwaJuda ba nqoba, ngokuba betemba kuJehova uTixo wa oyise babo.

19 uAbija wa m landela uJeroboamu, wa tata imizi kuyena, iBeteli nemizana ya kona neJeshana nemizana ya kona, neEfroni nemizana ya kona.

20 uJeroboamu a ka banga namandhla ezinsukwini zika Abija: uJehova wa m tyaya, wa fa.

21 Kodwa uAbija wanda wa namandhla, wa tata abafazi aba ishumi nane, wa zala amadodana a ngamashumi amabili nambili, namadodakazi a ishumi nesitupa.

22 Nezinnye izenzo zika Abija, nezindhlela zake, nezityo zake, zi lotyiwe endabeni yomprofeti uIddo.

ISAHLUKO 14.

**N**JALOKE uAbija wa lala nokoko banye, ba mbela enzini ka Davida; noAsa indodana yake wa busa endaweni yake. Ezinsukwini zake izwe la tula iminyaka e ishumi.

2 uAsa wenza okuhle nokulungileyo emehlweni ka Jehova uTixo wake:

3 Ngokuba wa wa susa amalati ezitixo ezingaziwayo, nezindawo eziphezulu. wa bidhliza izitombe, wa gaula amahlali.

4 Wa yaleza uJuda ukuba a fune uJehova uTixo wa oyise babo, noku wenza umteto nesiyalezo.

5 Wa susa futi emizini ya seJuda izindawo ezipakamileyo nezitombe: nombuso wa tula ngapambili kwake.

6 Waka imizi eliyiweyo eJuda: ngokuba izwe la pumula, ku ngeko ukulwa nga leyo minyaka; ngokuba uJehova wa m nika ukupumula.

7 Wa ti kulo iJuda, ma si yake lemizi, si zi haqe ngezindonga, nezinqaba, namasango, nezinsika, izwe li se ngapambili kwetu; ngokuba si m funile uJehova uTixo wetu, si m funile, naye u si pile ukupumula, endaweni yonke. Ngakoke baka ba busiswa.

8 uAsa wa e nempu yamadoda a twala amahawu, nemikonto, e puma nawo eJuda e izinkulungwane e zingamakulu amatatu; naseBenjamini, a ba twala izihlangu be tyaya ngenicibityelo, izinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isishiyagalombili; bonke laba ba be ngamaqawe nempela.

9 Ba fikelwa uZera wa seEthiopia e nesixuku sezinkulungwane ezi inku-

lungwane, neziucwele ezi ngamakulu amatatu; wa fika e Maresha.

10 uAsa wa m pumela, wa misa impi yake esigodini sa seZefatha eMaresha.

11 uAsa wa kala kuJehova uTixo wake, wa ti, Jehova ku ize kuwena ukusiza, noma kwabangingi noma kwabangenamandhla: si size, o Jehova Tixo wetu; ngokuba se temba kuwena, na ngegama lako si hambela lesi sixuku. o Jehova wena u nguTixo wetu; ma u nga hlulwa abantu wena.

12 Ngakoke uJehova wa ba tyaya aba seEtiopia ngapambi kuka Asa, na ngapambi kuka Juda; naba seEtiopia ba baleka.

13 uAsa nabantu a ba be naye ba ba landela eGerari: ba hlulwa, be nga se naku zivusa; ngokuba ba qedwa ngapambi kuka Jehova; na ngapambi kwesixuku sake; ba muka nempango eninggi kakulu.

14 Ba bulala yonke imizi e nga seGerari; ngokuba ba fikelwa ukwesaba kuka Jehova; ba i bidhliza yonke imizi; ngokuba kwa ku kona impango eninggi kakulu kuyona.

15 Ba bulala futi izibaya zezinkomo, ba muka neziningi izimvu nama kamelo, ba buyela eJerusalema.

### ISAHLUKO 15.

**U**MOYA ka Tixo wa fika pezu kuka Azaria indodana ka Odede:

2 Wa puma ukuhlangana noAsa, wa ti kuyena, Yizwa mina Asa, nalo lonke iJuda neBenjamini; uJehova u kinini, lapo nani ni kona kuyena; uma ni m funa, ni ya kumfumana, kodwa uma ni m dela nani, u ya ku ni dela.

3 Kade be hlezi aba kwa Israeli be nge naye uTixo weqiniso, engeko nompristi ofundisayo, u ngeko nomteto.

4 Kodwa lapo be hlupeka ba pendukela uJehova uTixo ka Israeli, ba m funa, ba m tola.

5 Ngalezozikati kwa ku ngeko ukupumula kuye opumayo, na kuye o ngenayo, kwa ku kona izinhlupeko ezinkulu kubo bonke abezizwe.

6 Isizwe sa bulawa isizwe, nomuzi ngomuzi: ngokuba uTixo wa ba hlupa ngezinhlupeko zonke.

7 Yibani namandhlake, izandhla zenu zi nga bi butakataka: ngokuba umsebenzi wenu u ya kubuyiswa.

8 Lapo uAsa e wa zwile lawa mazwi, nokutyo kuka Odede umprofeti, wema

isibindi, wa susa zonke izitombe ezi ihlazo ezweni lonke lakwa Juda noBenjamini, nase Mizini a i tatileyo entabeni iEfraimi, wa buyisa ilati lika Jehova, e la li ngapambi kwendhlu ka Jehova.

9 Wa buta bonke abakwaJuda noBenjamini, nabezizwe zakwa Efraimi noManasa, nezakwa Simeoni: ngokuba ba zileta kuyena ngobuningi be puma eIsraeli, lapo be bona ukuba uJehova uTixo wake, u naye.

10 Ba butanake eJerusalema ngenyanga yobutatu, ngomnyaka wokubusa kuka Asa o weshumi nesihlanu.

11 Ba nikela kuJehova nga lesi sikati, impango a ba be i letile, izinkabi ezi ngamakulu a isikombisa, nezimvu ezi izinkulungwane ezi isikombisa.

12 Benza isivumelwana, ukumfuna uJehova uTixo wa oyise babo ngenhliziyi yonke yabo nangomoya wonke wabo.

13 Naye o nga m funiyo uJehova uTixo ka Israeli, a bujiswe, noma e meane, noma e mkulu, noma indoda, noma umfazi.

14 Ba funga kuJehova ngezwi elikulu, ngokumemeza na ngamatlilongo.

15 Nalo lonke iJuda la jabula ngesifungo lesi; ngokuba ba funga ngenhliziyi yonke yabo, be m funa ngokutisa konke kwabo; naye wa tolakala kubona; noJehova wa ba nika ukupumula ku leyo ndawo.

16 Wa m susa ebunkosikazini uMaka unina ka Asa inkosi, ngokuba yena wenza isitombe ehlatini: noAsa wa si bulala isitombe lesi, wa si gxoba, wa si tyisa ngasemfuleni iKidroni.

17 Kodwa izindawo ezipakamileyo a zi suswanga eIsraeli: noko inhliziyi ka Asa ya i pelele ngazo zonke izinsuku zake.

18 Wa leta endhlini kaTixo izinto e za zi piwe uYise, ne za piwa uyena, isiliva, negolide, nezitya.

19 Ukulwa a kwa biko kwa za kwa fika emnyakeni e ngamashumi amatatu nesihlanu wokubusa kuka Asa.

### ISAHLUKO 16.

**N**NGOMNYAKA wamashumi amatatu nesitupa wokubusa kuka Asa, uBasha inkosi yakwa Israeli, wa hlasela uJuda, waka iRaama, ukuvimbela, bonke abapumayo naba ngenayo kuAsa inkosi ya kwa Juda.

## II. IZIKRONIKE, 17.

2 uAsa wa kipa isiliva negolide kuwo amagugu endhlu ka Jehova neyenkosi, wa li tumela kuBenhadadi inkosi ya seSiria, e ya i hlezi eDamaseku, e ti,

3 Ku kona isivumelwano kuwena nami, njengaloku sa si kona kubaba na ku yihlo : bheka ngi ku tumele isiliva negolide ; hamba, wapule isivumelwano sako noBasha inkosi ya kwa Israeli, ukuze a suke kimina.

4 uBenhadadi wa m lalela uAsa inkosi, wa tumela izinduna zempi yake emizini ya kwa Israeli ; za bulala iIjoni, neDani, neAbel-maimi, nayo yonke imizi yempahla yakwa Naftali.

5 Kwa ti, e se ku zwile uBasha, wa yeka ekwakeni kwake iRama, nomsebenzi wake wa u yeka.

6 uAsa inkosi wa ba tatake bonke aba kwa Juda ; ba wa susa amatye aka iRama, nemiti a e laka ngayo uBasha ; waka ngayo iGiba neMizpa.

7 Ngalesosikati wa fika uHanani umprofeti kuAsa inkosi yakwa Juda, wa ti kuyena, ngokuba u tembile enkosini ya seSiria, u ngetembanga kuJehova uTixo wako, ngakoke isixuku senkosi ya seSiria si si punyukile isandhla sako.

8 Ba be nge siso esixuku esikulu aba se Etiopia naba seLubini na? be nezincwelo nabamabashi abaningi na? noko ngokuba wetemba wena kuJehova, wa ba nika esandhlени sako.

9 Ngokuba amehlo ka Jehova a zula emhlabeni wonke, ukubonakalisa amandhla kubo aba nhliziyo yabo i pelele nga kuyena. Ku lokuke u zenze isiula : manje ko ba kona ukulwa njalo.

10 uAsa wa m tukutela umprofeti, wa m valela endhlini yezibotywa ; ngokuba e m tukutelela lendaba, uAsa wa hlupa abanye abantu futi nga lesi sikati.

11 Bheka, izenzo zika Asa zonke, zi lotyiwe encwadini yamakosi akwa Juda neIsraeli.

12 uAsa wa ba nesifo ezinyaweni zake ngomnyaka wokubusa kwake wamashumi amatatu nesishiyagalombili, sanda kakulu isifo sake ; noko a ka m funanga uJehova ekuguleni kwake, wetemba izinyanga zodwa.

13 uAsa wa lala nokoko bake, wa fa ngomnyaka wokubusa kwake wamashumi amane nanye.

14 Ba m mbela kwa wake amatuna, a ezenzele wona emzini ka Davida, ba m beka embedeni o wa u gwele amaka

a mnandi a lungiswe abenzi bemiti : ba menzela ukutyisa okukulu.

### ISIAHLUKO 17.

UJEHOSHAFATI indodana yake ya busa endaweni yake, wa ziqiniselela ngamandhla kuIsraeli.

2 Wa misa amabuto ake kuyo yonke imizi ebiyiweyo yakwaJuda, wa beka nezingqaba kuyo, nasemizini ya seEfraimi, e ya tatwa nguAsa uyise.

3 uJehova wa e naye uJehoshafati, ngokuba wa hamba ngezindhlela za kugala zika Davida uyise, e nga m funi uBali ;

4 Kodwa e funa uJehova uTixo ka yise, wa hamba ngezimemezelo zake, e nga landeli izenzo za kwa Israeli.

5 Ngako uJehova wa u qinisa umbuso esandhlени suke ; nabo bonke aba kwa Juda ba leta izipo kuJehoshafati ; wa ba nemfuyo nodumo oluningi.

6 Inhliziyo yake ya pakanyiswa ngezindhlela zika Jehova : wa susa futi izindawo ezi pakamileyo namahlathi eJuda.

7 Ngomnyaka wobutatu wokubusa kwake, wa tumela ezinduneni zake, kuBen-haile, na kuObadia, na kuZecharia, nakuNetaneli, nakuMikaia, ukufundisa emizini yakwa Juda.

8 Wa tuma nabo abaLevi, uShemaia, noNethania, noZebadia, noAsaheli, noShemiramote, noJehonatani, noAdonija ; kanye nabo, uElishama, noJehoram, abapristi.

9 Ba fundisa eJuda, be pete incwadi yomteto ka Jehova, ba hamba kuyo yonke imizi yakwa Juda, ba fundisa abantu.

10 Nokwesaba uJehova kwa ba pezu kwayo yonke imibuso yezizwe zakwa Juda, a ba lwanga noJehoshafati.

11 Abanye abaFilisti ba leta izipo kuJehoshafati, isiliva lokutelisa ; naba seArabia ba m letela imihlambi yezinvu, iziugama ezi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isikombisa, nezimpingo ezi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isikombisa.

12 uJehoshafati wa kula ngamandhla ; waka izinqaba eJuda, nemizi yempahla.

13 Kwa kula imisebenzi yake emizini yakwa Juda : namadoda okulwa, amaqawe, a e seJerusalema.

14 Ile imibalo yabo, ku tatelwa endhlini ya oyise ; kwa Juda, izinduna zezi-  
nkulungwane, uAdna induna enkulu.

ku kona naye amaqawe a izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu.

15 Wa landelwa uJehohanani induna, ku kona kanye naye izinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isishi-yagalombili.

16 Yena wa landelwa uAmasia indodana kaZikri, o wa zi nika ngokutanda kuJehova; ku kona kanye naye amaqawe a izinkulungwane ezi ngamakulu amabili.

17 Na kuBenjamini; uEliada iqawe nempela, ku kona kanye naye aba hlo-megameleibityolo nezihlangu, izinkulungwane ezi ngamakulu amabili.

18 Wa landelwa uJehozabade ku kona kuyena a se be lungele impi aba izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishi-yagalombili.

19 Laba ba hlala nga senkosini, ngapandhle kwabo labo aba bekwa inkosi emizini ebiyiweyo kulo lonke iJuda.

ISAHLUKO 18.

UJEHOSHAFATI wa e nemfuyo eningyi kakulu nodumo, wa zi hlanganyela noAhabu.

2 Na ngasemva kweminyaka wehlela kuAhabu eSamaria. uAhabu wa m hlabela izimvu nezinkabi eziningi, e hlabela nabantu aba be naye, wa m nxusa ukuba a kupuke naye baye eRamotgiladi.

3 uAhabu inkosi yakwa Israeli wa ti ku Jehoshafati inkosi yakwa Juda, U ya ku hamba nami siye eRamotgiladi na? Wa m pendula wa ti, Ngi njengawe mina, nabantu bami ba njenga bako; so ba kanye nawe empini.

4 uJehoshafati wa ti kuyo inkosi yakwa Israeli, Buza, ngi ya kuleka, egameni lika Jehova namuhla.

5 Inkosi yakwa Israeli ya butake abaprofeti aba ngamakulu amane, ya ti ku bona, Si ya kuya eRamotgiladi ukulwa na? kuhle ngi yeke na? Ba ti bona, kupuka; ngokuba uTixo u ya kulinikela esandhlени senkosi.

6 Kodwa uJehoshafati wa ti, a kako lapa umprofeti ka Jehova futi, si buze kuyena na?

7 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, u kona omunye umuntu, e si nga.m buza ngaye uJehova; kodwa mina ngi ya m zonda; ngokuba a ka bonanga a ngi kulumele kahle, u ngenzela ububi njalo; u yena uMikaia indodana ka Imla. uJehoshafati wa ti, u i ngaty njalo inkosi.

8 Inkosi yakwa Israeli ya biza enye induna yake, ya ti, m lete masinyane uMikaia indodana ka Imla.

9 Inkosi yakwa Israeli noJehoshafati inkosi yakwa Juda, ba hlala bo babili esihlalweni sake sobukosi, be gqoke izingubo zabo, ba hlala endaweni e ibala ngasekungeneni kwesango la seSamaria; nabaprofeti bonke ba kuluma ngapambi kwabo.

10 uZedekia indodana ka Kenana wa e zenzele izimpondo zensimbi, wa ti, U ti uJehova, nga lezi zimpondo u ya kulikapa iSiria li ze li qedwe.

11 Nabo bonke abaprofeti ba ti, kupukela e Ramotgiladi, u tokoze: ngokuba uJehova u ya kulinikela esandhlени senkosi.

12 No wa e ye kubiza uMikaia, wa ti kuyena, Bheka, amazwi onke abaprofeti a kuluma okuhle enkosini; nelakoke, ngi ya kuleka, ma li fane nelabo, u kulume okuhle.

13 Wa ti uMikaia, Ngokuphila kuka Jehova; oku tyiwo uTixo wami, loko ngo ku kuluma.

14 Lapo e se fikile enkosini, ya ti inkosi kuyena, Mikaia, so kupuka si ye kulwa neRamotgiladi na, kuhle ngi yeke na? Wa pendula wa ti, kupuka u jabule, ba ya kunikelwa esandhlени sako.

15 Ya ti inkosi kuyena, Ngo ku tyela kangakanani ukuba u kulume iqiniso lodwa kimina egameni lika Jehova na?

16 Wa tike yena, Nga ba bona bonke abaIsraeli be hlakazekile ezintabeni, njengezimvu ezi nge namalusi; wa ti uJehova, laba a ba namninibo; ma ba buyele bonke ezindhlени zabo ngokutula.

17 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, A ngi ku tyelanga ukuba a ka yi ku ngi tyela okuhle, kodwa ububi na?

18 Wa ti futi, Yizwake izwi lika Jehova; Nga m bona uJehova e hlezi ebukosini bake, naso sonke isixuku sezulu si mi ngalapa na ngalapa.

19 Wa ti uJehova, uAhabu inkosi yakwa Israeli u ya kuyengwa ubani na? ukuba a kupuke a fe eRamotgiladi na? Nomunye wa kuluma ngokutile, nomunye ngokutile.

20 Kwa velake umoya, wema ngapambi kuka Jehova, wa ti, ngi ya ku m yenga mina. Wa ti uJehova kuye, Ngani na?

21 Wa ti wona, Ngi zo puma, ngi be umoya wamanga emilonyeni yabaprofeti bake bonke. Wa ti uJehova, U ya ku m yenga, u mahlule; hamba, wenze njalo.

22 Manjeke, bheka, uJehova u bekile umoya wamanga emilonyeni ya laba baprofeti bonke bako, noJehova u kulumile ububi ngawe.

23 Wa sوندlake uZedekia indodana ka Kenana, wa m tyaya uMikaia esihlatini, wa ti, umoya ka Jehova u suke kimina nga ipi indhlela ukukuluma nawe na?

24 Wa ti uMikaia, bheka, u ya kubona nawe ngosuku o ya ku ngena ngalo ekamelweni ukuba u zitukuse kona.

25 Ya tike inkosi yakwa Israeli, M tateni uMikaia, ni m buyisele kuAmoni inkosi yomuzi, nakuJoashi indodana yenkosi;

26 Ni ti, I ti inkosi, fakani lomuntu etilongweni, ni m dhlise isinkwa senhlupeko, namanzi enhlupeko, ngi ze ngi buye ngokutula.

27 Wa ti uMikaia, uma nempela u buya ngokujabula, uJehova a ka kuluma nga ngami. Wa ti, lalelani, nonke nina bantu.

28 Ngakoke inkosi yakwa Israeli, noJehoshafati inkosi yakwa Juda ba kupukela eRamatgiladi.

29 Ya ti inkosi yakwa Israeli kuJehoshafati, Mina ngo zifihla, ngi ye empini; kodwa wena gqoka izingubo zako. Njalo ke inkosi yakwa Israeli ya zifihla; ba ya empini.

30 Inkosi ya seSiria ya i yalezile izinduna zezinewele e za zi nayo, ya ti, Ni nga lwi nabancane nabakulu, ni lwe nenkosi yakwaIsraeli kupela.

31 Kwa ti, lapo izinduna zezinewele zi m bona uJehoshafati, za ti, u inkosi yakwa Israeli, za m haqake ukulwa; kodwa uJehoshafati wa memeza, uJehova wa m siza; noTixo wa zi mukisa kuyena.

32 Kwa ti, lapo izinduna zezinewele se zi bonile ukuba a ku siyo inkosi yakwa Israeli, ba penduka a ba m landela.

33 Nomunye umuntu wa qandela wa vulela ngomcibityolo wake wa i tyaya inkosi yakwa Israeli emkatini yezihlangu zake; ya tike yona kumuntu wake wewele, Pendula isandhla sako, ukuba u ngi kipe kulesi sixuku; ngokuba ngi limele.

34 Kwanda ukulwa ngalolulusuku;

kodwa inkosi yakwa Israeli ya ziqinisa enweleni yayo i bhekene naba seSiria, kwa ze kwa hlwa: kwa ti se li tyona ilanga ya fa.

ISAHLUKO 19.

UJEHOSHAFATI inkosi yakwa Juda wa buyela endhlini yake eJerusalema, ngokutula.

2 uJehu indodana ka Hanani umprofeti wa puma ukuhlangana naye, wa ti kuyo inkosi uJehoshafati, ku lungile ukuba u size ababi, u tande abazonda uJehova na? Ngakoke ulaka luka Jehova lu pezu kwako.

3 Kodwa zi kona izinto ezilungileyo ezi tolwa kuwena, ngokuba wa wa susa amahlati ezweni, wa i lungisa nenhliziyoyako ukumfuna uTixo.

4 uJehoshafati wa hlala eJerusalema: wa puma futi wa ya kubantu eBeresheba nasentabeni iEfraimi, wa ba buyisele kuJehova uTixo wa oyise babo.

5 Wa misa abahluleli ezweni kuyo yonke imizi ebiyiweyo yakwa Juda, umuzi ngomuzi.

6 Wa ti kubona, hlananipani kwe ni kwenzayo; ngokuba ka nahluleli abantu kodwa, uJehova, o nani ekwahluleni.

7 Manjeke ukwesaba uJehova ma ku be pezu kwenu; qondani ni kwenze; ngokuba a buko ububi kuJehova uTixo wetu, nokuketa abantu, nokwamkela izipo.

8 Futi uJehoshafati wa misa eJerusalema amaLevi, nabapristi, nezinduna za oyise baka Israeli, uku mahlulela uJehova, na lapo ku xatyanywa, ekubuyeni kwabo eJerusalema.

9 Wa ba yala, wa ti, Loku ni ya kukwenza ngokwesaba uJehova kahle, na ngenhliziyoye peleleyo.

10 Noma ku letwa icala kinina kubafowenu emizini yabo, legazi ngegazi, nomteto nezimemezelo, imiteto neminqamulo, ni ya kuba yala ukuba ba ngeduki nga kuJehova, ulaka lu fikele nina, nabazalwane benu: yenzani loku, ni ngeduki.

11 Futi, bhekani, uAmaria induna yabapristi i pezu kwenu kuzo zonke izindaba zika Jehova; noZebadia indodana ka Ishmaeli, omkulu wendhlu ka Juda, a be ngapezu kwazo zonke izindaba zenkosi: namaLevi a be izinduna ngapambi kwenu. Yenzani ngesibindi, noJehova u ya kuba nabalungileyo.

ISAHLUKO 20.

**K**WA ti ngasemva kwa loku futi, abantwana baka Moabi, naba kwa Amoni, nabanye be kanye naba kwa Amoni, ba fikela uJehoshafati ngempi.

2 Ba fika abanye ba tyela uJehoshafati, ba ti, u ya kufikelwa isixuku esikulu sa ngapambi kolwandhle nganeno kweSiria; futi, bheka, ba seHazazontama, eli seEngedi.

3 uJehoshafati wesaba, wa funa uJehova, wenza ukuzila ukudhla kulo lonke izwe lakwa Juda.

4 Nalo lonke la butana, ukueela ukusizwa kuJehova; ba puma kuyo yonke imizi ya seJuda ukumfuna uJehova.

5 uJehoshafati wena esixukwini sakwa Juda neJerusalem, endhlini ka Jehova, ngapambi kwesihongo esitya.

6 Wa ti, O Jehova Tixo ka baba, a u busi ezulwini na? a u busi futi pezu kwemibuso yonke yabezizwe na? namandhla awakwo esandhlani sako na? ukuba u nge hlulwe muntu wena na?

7 A u siye uTixo wetu na? o wa xotya abantu ba lelizwe ngapanubi kwabantu bako abaIsraeli na? wa li nika inzalo ka Abraham a isihlobo sako ku ze ku be pakade na?

8 Ba hlala kona, ba lakela kona igama lako indhlu, be ti.

9 Lapo si fikelwa ububi, njengenkenmba, nokwahlulela, nenhlupeko, nendhlala, uma si ma ngapambi kwa lendhlu nangapambi kwako, (ngokuba igama lako li kulendhlu,) si kalele wena ezinhlupekweni zetu, u zweke wena, u size.

10 Manjeke, bheka, abantwana baka Amoni, noMoabi nabentaba iSira, o wala ukuba ba hlaselwe abaIsraeli, ekupumeni kwabo ezweni lasEgipite, kodwa ba penduka, a ba ba bulala.

11 Bhekake, ukuyvuzwa kwabo, ba si fikela ukuba ba si kipe kulo ifa lako, o si nikileyo lona ukuba si li fuyee.

12 O Tixo wetu, a ku yi ku bahlulela wena na? ngokuba a si namandhla ku lesi sixuku esikulu esi si fikelayo; ka si kwazi futi esi nga kwenzayo; amehlo etu kodwa a kuwe.

13 Bonke aba kwaJuda bema ngapambi kuka Jehova, nezingane zabo, nabafazi babo, nabantwana babo,

14 Wa fikake umoya ka Jehova pezu kuka Jabazali, indodana ka Zekaria, indodana ka Benaia, indodana ka Jeieli, indodana ka Matania, umLevi wama-

dodana ka Asafa, ngapakati kwesixuku.

15 Wa ti, Yizwani, nina nonke bakwa Juda, nabaseJerusalema, nawe Jehoshafati inkosi, U ti uJehova kinina, Ni nge sabi, ni tutumele ngenxa ya lesi sixuku esikulu; ngokuba impi e ka Jehova, a siyo eyenu.

16 Yehlani ni ye kubona ngomuso; bheka, ba kupuka ngaseweni lakwaZize; no ba tola ekugcineni komfulana, be bhikene neblane lakwa Jerueli.

17 A ni yi ku dinga nokulwa kulempi; zilungiseni, ni me ni tule, ni bu bone ubungewele buka Jehova bu kini. O Juda neJerusalema; ni ngesabi ni tutumele; ba pumeleni ngomuso: ngokuba uJehova u ya kuba nani.

18 uJehoshafati wa kotama ngobuso emhlabatini: nabo bonke aba kwa Juda neJerusalema ba wa pambi kuka Jehova, be ni dumisa.

19 AmaLevi kubantwana bamaKohati, na kubantwana bamaKorhi bema uku dumisa uJehova uTixo ka Israeli ngezwi elikulu pezulu.

20 Ba vuka ekuseni, ba ya ehlane la seTekoa; na lapo be hambayo uJehoshafati wena, wa ti, Yizwani mina, O Juda, naba seJerusalema; Kolwani kuJehova uTixo wenu, njaloke no qiniswa; kolwani abaprofeti bake, no busiswa.

21 Lapo e se kulumile nabantu, wa keta a ba ya kuhlabelela kuJehova, na ba ya kudumisa ubuhle obu ingewele, ekupumeni kwabo ngapambi kwempi, be ti, dumisani uJehova; ngokuba umusa wake u ma njalo.

22 Lapo be qala ukugwaba, nokudumisa, uJehova, wa misa izinhloli ngakubantwana baka Amoni, noMoabi, nabentaba iSira, a ba be pumele aba kwa Juda; nabo ba bulawa.

23 Ngokuba abantwana baka Amoni noMoabi ba hlasela abentaba iSira ukubaqeda nempela; nalapo se be ba qedile labo, balwa bodwa.

24 Lapo aba kwa Juda ba fika exibeni eli sehlane, ba si bheka isixuku, ba ba bona be izidumbu nje pansi, a kwa baleka namunye.

25 Lapo uJehoshafati nabantu bake ba fika uku tala impango, ba tola ingeebo eningi kuto izidumbu, namagugu amahle a ba zi tatela wona, ba hlulwa uku zi mukisa zonke: ba ba nezinsuku ezintatu be buta impango, ngobuningi bayo.

26 Ngosuku lobume ba butana esigodini

sa seBeraka, ba dumisa kona uJehova; ngako igama la leyo ndawo la bizwa ngokuti, isigodi sa seBeraka, ku ze ku be namuhla nje.

27 Ba buyake bonke abakwa Juda neJerusalem, be landela uJehoshafati ba buyela eJerusalema ngokujabula; ngokuba uJehova wa ba jabulisa pezu kwizita zabo.

28 Ba fika eJerusalema endhlini ka Jehova be pete izingumbu, namatilongo.

29 Ukumesaba uTixo kwa ba pezu kwemibuso yonke ya lezo zizwe, lapo se be zwile ukuba uJehova u lwe nezita zika Israeli.

30 Ngakoke wonke umbuso ka Jehoshafati wa tula; ngokuba uTixo wake wa m nika ukupumula endaweni yonke.

31 uJehoshafati wa busa pezu kweJuda: wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nesihlanu e sa qala ukubusa, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu. Negama lika nina la li nguAzuba indodakazi ka Shilhi.

32 Wa hamba ngendhlela ka Asa uyise, a ka pambuka kuyona, enza okulu-ngileyo emehlweni ka Jehova.

33 Kodwa izindawo ezi pakamileyo a zi suswanga; ngokuba abantu ba be nga ka zi lungisi izinhliziyi zabo kuTixo wa oyise.

34 Manjeke izenzo ezinye, zika Jehoshafati, zakuqala, ne zasemuva, bheka, zi lotyiwe encwadini ka Jehu indodana ka Hanani, okukulunywa ngaye encwadini yamakosi a kwa Israeli.

35 Ngasemva kwaloku uJehoshafati wa zihlanganisa noAhazia inkosi ya kwa Israeli, o wenza okubi kakulu;

36 Wa hlanguka naye ukwenza imikumbi ukuya eTarshishi: ba yenza imikumbi eZiongaba.

37 uEliezari indodana ka Dodava wa seMaresha wa profeta ngoJehoshafati, wa ti, Ngokuba u zihlanganisile noAhazia, uJehova u yapulile imisebenzi yako. Nemikumbi ya pulwa, a ya ba namandhla ukuya eTarshishi.

#### ISAHLUKO 21.

**UJEHOSHAFATI** wa lala nokoko bake, wambelwa nokoko bake emzini ka Davida. uJehoram indodana yake wa busa endaweni yake.

2 Wa e nabafo, amadodana ka Jehoshafati, uAzaria, noJehieli, noZekaria, noAzaria, noMikaeli, noShefatia: bonke

laba ba be amadodana ka Jehoshafati inkosi yakwa Israeli.

3 Uyise wa ba nika izipo ezikulu zesiliva, negolide, nezinto ezi igugu, nemizi ebiyiweyo eJuda; kodwa umbuso wa u nika uJehoram, ngokuba wa e izibulo.

4 uJehoram e se vukile embusweni ka yise, wa ziqinisa, wa bulala bonke abafu wabo ngenkomba, nabanye bezikulu zakwa Israeli.

5 uJehoram wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili e sa qala ukubusa, wa busa eJerusalema iminyaka e ishiyagalombili.

6 Wa hamba ngendhlela yamakosi akwa Israeli, njengendhlu ka Ahabi ngokuba wa ganwa intombi ka Ahabi: wenza okubi emehlweni ka Jehova.

7 Kodwa uJehova a ka i bulalanga indhlu ka Davida, ngenxa yesivumelwano a senzileyo noDavida, nangokuyama kwake uku nika ukukanya kuyena namadodana ake ku ze ku be pakade.

8 Ezinsukwini zake abakwaEdomi ba hlubuka embusweni ka Juda, ba zimisela inkosi.

9 uJehoram wa pumake nezikulu zake, nazo zonke izineweze zake; wa ba vukela ngobusuku, wa ba tyaya abakwaEdomi a ba be m haqile, nezinduna zezineweze.

10 Ngakoke abakwaEdomi ba hlubuka esandhleni sikaJuda ku ze ku be namuhlanje. Na nga lesosikati iLibna la hlubuka esandhleni sake; ngokuba wa e m hlubukile uJehova uTixo wa oyise baka.

11 Wenza futi izindawo ezipakamileyo ezintabeni zakwa Juda, wa sindezela aba seJerusalema ukuba benze ubufebe, neJuda wa li sindezela futi.

12 Ya fika kuyena incwadi i vela kuElija umprofeti, i ti, U tyo uJehova uTixo ka Davida uyihlo, Ngokuba u nga hambanga ngezindhlela zika Jehoshafati uyihlo, na nge zika Asa inkosi yakwa Juda.

13 Kodwa u hambe ngezindhlela zamakosi akwa Israeli, wenza abafu ba ba seJerusalema benza ubufebe, njengabo abendhlu ka Ahabi, u ba bulele futi abafu wenu bendhlu ka yihlo, a ba be ku dhlula wena ngokulunga:

14 Bheka, uJehova u ya ku tyaya abantu bako ngesifo esikulu, nabantwana bako, nabafazi bako, nayo yonke impahla yako:

15 Nawe u ya kugula kakulu ematunjini, a ze a pume ngenxa ya loko kugula usuku ngosuku njalo.

16 Futi uJehova wa xukuza uJehoramu ngomoya wamaFilisti, no waba seArabia, aba be seduze naba seEthiopia :

17 Ba fika eJuda, ba fohloza, ba muka nako konke o kwa tolwa endhlini yenkosi namadodana ayo futi, nabafazi bayo; a kwa sala ndodana kuyona, uJehohazi o ku uyena e meane kupela.

18 Ngasemva kwako konke loku, uJehova wa m tyaya ematunjini ngesifo esi nge poliswe.

19 Kwa ti, emva kwesikati, emva kweminyaka emibili, a puma amatumbu ake ngenxa yokugula kwake; wa bulawa izifo ezibuhlungu. Abantu bake a ba tyisanga luto ngaye, njengokutyisela kwabo oyise.

20 Wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili, wa busa eJerusalem iminyaka e isishiyagalombili, wa mka e nga fswanga: Noko ba m bela emzini ka Davida, kodwa ku ngeko ematuneni amakosi.

ISAHLUKO 22.

**A**BASEJERUSALEMA ba misa uAhazia indodana yake eneane a be inkosi endaweni yake: ngokuba isikwata samadoda e sa fika ekamu kanye naba seArabia ba be bulele bonke abadala abafu. Ngakoke uAhazia indodana ka Jehoramu wa busa.

2 uAhazia wa e neminyaka e ngamashumi amane nambili ekuqaleni kokubusa kwake, wa busa umnyaka munye eJerusalem. Igama lika nina la li nguAtalia indodakazi ka Omri.

3 Naye wa hamba ngezindhlela zendhlu ka Ahabi: ngokuba wa tyelwa umina ukwenza okubi.

4 Ngako wenza okubi emehlweni ka Jehova njengendhlu ka Ahabi; ngokuba ba be ngabayalezi bake emva kokufa kuka yise wa ze wa bujiswa yena.

5 Naye wa hamba ngokuyaleza kwabo, wa hamba noJehoramu indodana ka Ahabi inkosi yabaIsraeli ukulwa noHazaeli inkosi ya seSiria eRamotegiladi: naba seSiria ba m tyaya uJoramu.

6 Wa buyela eJezreli ukwelatywa izingozi a zi nikwa eRama, lapo wa e lwa noHazaeli inkosi ya seSiria. NoAzaria indodana ka Jehoramu inkosi ya-

baJuda wehlela uku m bona uJehoramu indodana ka Ahabi eJezreli, ngokuba e gula.

7 uTixo wa m bulala uAhazia ngenxa yokufika kwake kuJoram: ngokuba ekufikeni kwake, wa pumela uJehu indodana ka Nimshi kanye noJehoramu, a e m geobile uJehova uku nquma indhlu ka Ahabi.

8 Kwa ti lapo uJehu wa ahlulela pezu kwendhlu ka Ahabi, wa tola izikulu zakwa Juda, namadodana abafu baka Ahazia, a e m konza uAhazia, wa ba bulala.

9 Wa m funa uAhazia: ba m bamba, (ngokuba wa e zitukusile eSamaria), ba m leta kuJehu: nalapo se be m bulele, ba m mbela: Ngokuba ba ti, u indodana ka Jehoshafati, o wa funa uJehova ngenhliziyo yonke yake. Ngako indhlu ka Ahazia ya i nge namandhla uku wu geina umbuso.

10 Kodwa lapo uAtalia unina ka Ahazia wa bona ukuba i file indodana yake, wa vuka wa bulala yonke inzalo yobukosi yendhlu ka Juda.

11 Kodwa uJehoshabate, indodakazi yenkosi, ya m tata uJoashi, indodana ka Ahazia, ya meba kuwo amadodana enkosi a e bulawa, ya m beka kanye nomzanyana wake endhlini yokulala. Ngako uJehoshabate, indodakazi yenkosi uJehoramu, umka Jehoida, (ngokuba wa e ngudade wabo ka Ahazia, wa m tuku-sela uAtalia, naye a ka m bulalanga.

12 Wa ba kanye nabo e tukusiwe endhlini ka Tixo iminyaka e isitupa: noAtalia wa li busa izwe.

ISAHLUKO 23.

**N**NGOMNYAKA wesikombisa uJehoida wa m zi qinisa, wa tata izinduna zamakulu zi be inhlangozi naye, noAzaria indodana ka Jehoramu noIshmaeli indodana ka Jehohanani, noAzaria indodana ka Obedi, noMaseia indodana ka Adai, noElishafati indodana ka Zikri.

2 Ba hambela eJuda, ba buta amaLevi kuyo yonke imizi yakwa Juda, nezinduna za oyise baka Israeli, ba fika eJerusalem.

3 Naso sonke isixuku senza isivumelwano nenkosi endhlini ka Tixo. Naye wa ti kubona, Bheka, indodana yenkosi i ya kubusa, njengokutyo kuka Jehova kumadodana ka Davida,

4 I lento e ni ya kuyenza; inxenye yenu yesitatu kubapristi namaLevi,



## II. IZIKRONIKE, 24.

ekungeneni ngesabata, ni ya kuba abalindi beminyango:

5 Nenxenye yesitatu i ya kuba endhlini yenkosi; nenxenye yesitatu emnyango wesisekelo: nabantu bonke ba be sekungeneni kwendhlu ka Jehova.

6 Kodwa ku ngene abapristi bodwa endhlini ka Jehova, nabo aba sizayo amaLevi; ba ya kungena bona, ngokuba ba ingewele: kodwa bonke abantu ba be abalindi baka Jehova.

7 AmaLevi a ya kuba inkosi, i lowo e pete izikali zake; noma ku ngena omunye endhlini, a bulawe; kodwa nina ma ni be nayo inkosi ekungeneni, nasekupumeni kwayo.

8 Ngako amaLevi nabo bonke ba kwa Juda benza njengaso sonke isiyalezo sika Jehoida umpristi, ba tata njalo abantu babo a ba ya kungena nabo ngesabata, nabo a ba ya kupuma ngesabata; ngokuba uJehoida umpristi a ka dedikangu ku lezo zindhlela.

9 Futi uJehoida umpristi wa nika izinduna zezikulu, imikouto, nezihlangu, e kwa ku nge zenkosi uDavida, e za zi sendhlini ka Tixo.

10 Wa ba misa bonke abantu, i lowo e pete izikali zake, ngalapa na ngalapa kwetempeli, eduze kwelati letempeli, na seduze kwenkosi.

11 Ba i kipake indodana yenkosi, ba i beka umqele, ba i nika umteto, ba yenza inkosi, uJehoida namadodana ake ba m goaba, ba ti, uTixo ma ka i sindise inkosi.

12 Lapo uAtalia wa u zwa umsiundo wabantu be gijima be dumisa inkosi, wa fika kubantu endhlini ka Jehova;

13 Wa buka, wa bona, inkosi i mi endaweni yayo ngasekungeneni, nezikulu, namatilongo eduze nenkosi: nabo bonke a bezwe be jabula, be beta amatilongo, nabagwabayo ngeziungumbu zabo, abafundisiweyo ukugwaba udumiso, uAtalia wa dabula izingubo zake, wa ti, Inkohliso, Inkohliso.

14 uJehoida umpristi wa kipa izinduna zamakulu, e za zi misiwe pezu kwe-sixuku, wa ti kubona, M kipeni uAtalia, naye o m landelayo ma ka bulawe ngenkamba. Ngokuba wa ti umpristi, Ni nga m bulali endhlini ka Jehova.

15 Ba menzela indawo; lapo e se fikile ekungeneni komnyango wamahashi ngasendhlini yenkosi, ba m bulala kona.

16 uJehoida wenza isivumelwano, ku-

bantu bonke, na kuyo inkosi, ukuba ba be ngabantu baka Jehova.

17 Abantu bonke ba ya endhlini ka Bali, ba yapula, bapula namalati nezi-tombe zake, ba bulala uMatani umpristi ka Bali ngapambi kwamalati.

18 uJehoida wa keta izinduna zendhlu ka Jehova ngcandhla sabapristi amaLevi, aba be hlukanisiwe nguDavida endhlini ka Jehova, ukutyisa imihlabelo ka Jehova, njengokulotyweyo emfweni ka Mosi, ngokujabula na ngokugwaba, njengokumisa kuka Davida.

19 Wa misa abalindi emnyango wendhlu ka Jehova, ukuze o ngcolileyo ngento a nga ngeni.

20 Wa zi tata izinduna zamakulu, nezikulu, nababusi babantu, nabantu bonke bezwe, behlisa inkosi i sendhlini ka Jehova; ba puma ngomnyango omkulu ba ngena endhlini yenkosi, ba i beka inkosi esihlalweni sobukosi sombuso.

21 Abantu bonke bezwe ba jabula; nomuzi wa tula, se be ni bulele uAtalia ngenkamba.

### ISAHLUKO 24.

**U**JOASHI wa e neminyaka e isikombisa ekuqaleni kokubusa kwake, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amane. Igama lika nina la ii nguZibia wa seBeresheba.

2 uJoashi wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova ngazo zonke izinsuku zika Jehoida umpristi.

3 uJehoida wa m tatela abafazi ababili; wa zala amadodana namadodakazi.

4 Kwa ti ngasemva kwa loku, uJoashi wa cabanga ukulungisa indhlu ka Jehova.

5 Wa buta abapristi namaLevi, wa ti ku bona, Pumani ni ye enizini yakwa Juda ni bute kubo bonke aba ka Israeli imali ukulungisa indhlu ka Tixo wenu umnyaka ngomnyaka njalo, ni i tye-tyise lendaba. Kodwa amaLevi ka a tyetyanga.

6 Inkosi ya m biza uJehoida induna, ya ti kuyena, A u wa sindezela ngani amaLevi uku i leta imali eJuda na seJerusalema na? njengesiyalezo sika Mosi inceku ka Jehova, nesixuku sa kwa Israeli, ku be okwetabanekela lobufakazi na?

7 Ngokuba amadodana ka Atalia, lowo mfazi omubi, a e yapulile indhlu ka Tixo; a m nika uBali zonke izinto ezi miselwe indhlu ka Jehova.

8 Ngesiyalezo senkosi, benza umpo- ngolo, ba wu misa ngasekungeneni kwe- ndhlu ka Jehova.

9 Benza isiyalezo eJuda naseJerusa- lema, ukuba ba lete kuJehova imali, e ya bekwa pezu kweIsraeli nguMosi inceku ka Tixo ehlane.

10 Nezikulu zonke, nabantu bonke ba jabula, ba leta, ba faka empongolweni, ba ze ba geina.

11 Kwa ti lapo umpo ngolo u letwe endhlini yenkosi ngezandhla zamaLe- vi, na lapo be bona ukuba iningi imali, umlobi wenkosi nenduna yompristi onkulu, ba fika ba wu tulula umpo- ngolo, ba wu tata, ba wu buyisela enda- weni yawo. Benze njalo zonke izinsuku, ba buta imali euningi.

12 Inkosi noJehoida ba i nika kubo abenzi bemisebenzi yendhlu ka Jehova, ba kokela ubaki, nababazi, uku i lungi- sa indhlu ka Jehova, nabenzi bensimbi netusi uku i lungisa indhlu ka Jehova.

13 Za sebenzake izisebenzi, za wu qeda umsebenzi, za i misa kahle indhlu ka Tixo, za i qinisa.

14 Lapo se be i qedile, ba i leta imali e selayo kuyo inkosi noJehoida, benza ngayo izitya zendhlu ka Jehova, izitya zokukonza nokunikela, nezinkezo, nezi- tya zegolide nesiliva. Ba nikela imihla- belo etyiswayo, endhlini ka Jehova njalo ngezinsuku zonke zika Jehoida.

15 Kodwa uJehoida wa guga, wa fa e nezinsuku eziningi; e neminyaka e iku- lu namashumi amatatu ekufeni kwake.

16 Ba m mbela emzini ka Davida kanye namakosi, ngokuba wenza oku- lungileyo eIsraeli, kuTixo na kwa be- ndhlu yake.

17 Kwa ti emva kokufa kuka Jehoida kwa fika amakosi akwa Juda, a i konza inkosi. Nenkosi ya wa lalela.

18 Ba i shiya indhlu ka Jehova uTixo wa oyise babo, ba konza amahlati nezi- tombe: nolaka lwa li fikela iJuda ne- Jerusalema, ngenxa ya loko kwenza kwabo.

19 Noko wa tuma abaprofeti kubona, ukubabuyisela kuJehova; ba ba faka- zela, noko ka ba i nikanga indhlebe.

20 Umoya ka Tixo wa fika kuZekaria indodana ka Jehoida umpristi, wema ngapezu kwabantu, wa ti ku bona, U ti uTixo, Ni za pulelani izimemezelo zika Jehova, ukuze ni nga sizwa na? ngo- kuba ni m delile uJehova, naye u ni delile.

21 Ba menzela icebo, na ngokutyo kwenkosi ba m xoba ngamatye ngapa- mbi kwendhlu ka Jehova.

22 uJoashi inkosi a ka kumbulanga umusa ka Jehoida uyise kuyena, kodwa wa bulala indodana yake, Na lapo e fa yena, wa ti, uJehova ma ka ku bone loku, a ku pindisele.

23 Kwa ti ekugeineni komnyaka, isixu- ku sa seSiria sa m fikela: ba fika ku- Juda neJerusalema, ba bulala zonke izikulu zabantu kubantu, ba i tumela inkosi ya seDamaseku yonke impango yabo.

24 Ngokuba impi ya seSiria ya fika nabantu aba ingeosana, noJehova wa ba nikela isixuku esikulu kakulu, ngokuba ba be m delile uJehova uTixo wa oyise babo. Ngakoke ba mahlulela ngaloko uJoashi.

25 Lapo se be mukile kuyena (ngoku- ba ba m shiya e gula kakulu,) izinceku zake za m vukela, ngenxa yegazi lama- dodana aka Jehoida umpristi, ba m bu- lalala embedeni wake wa fa: ba m ngqiba emzini ka Davida, kodwa ka ba m fa- kanga ematuneni amakosi.

26 I laba a ba m vukeleyo; uZaba- di indodana ka Shimata umAmoni noJehozabada indodana ka Shimrite, wamaMoabi.

27 Manjeke ngamadodana ake, na ngobukulu bemitwalo yake, nokulungi- swa kwendhlu ka Tixo, bleka ku lo- tyiwe endabeni yenewadi yamakosi. uAmazia indodana yake wa busa enda- weni yake.

ISAHLUKO 25.

UAMAZIA wa qala ukubusa e nemi- nyaka e ngamashumi amabili nesi- hlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyagalo- lunye, negama lika nina la li nguJeho- adani wa seJerusalema.

2 Naye wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, ku nge ngenhliziyo epeleleyo kodwa.

3 Kwa ti lapo umbuso u su miselwe yena, wa zi bulala izinceku zake e za zi bulele inkosi uyise.

4 Kodwa a ka ba bulala abantwana babo, kodwa wenza njengokulotyweyo encwadini ka Mosi, ukuti, Abazali ka ba yi ku fela abantwana babo, naba- ntwana, oyise babo, kodwa ilowo a fele esake isono.

5 Futi uAmazia wa li buta iJuda, wa

benza izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu, njengezindhlu za oyise, kulo lonke iJuda neBenjamini; wa ba bala ku suke eminyakeni e ngamashumi amabili na ngapezulu, wa bona ukuba ba ngabaketiweyo aba izinkulungwane ezingamakulu amatatu, aba namandhla ukuya empini, na ba nga pata umkonto, nesihlaugu.

6 Wa biza futi amaqawe kubaIsraeli a izinkulungwane ezi ikulu, wa ba kokela ngamatalenta a ikulu esiliva.

7 Kodwa kwa fika kuye umuntu ka Tixo, e ti, O Nkosi, impi ya kwa Israeli ma i nga hambu nawe; ngokuba uJehova a kako kubo abaIsraeli, na kubo bonke aba kwa Efraimi.

8 Kodwa uma u ya qinisela, hanba, yiba namandhla empini: uTixo u ya kukuwisa ngapambi kwesita; ngokuba uTixo u namandhla ukusiza, noku wisa pansu.

9 Wa ti uAmazia kumuntu ka Tixo, Si ya kwenzanike ngenxa yamatalenta lawo e nga wa nika impi yakwa Israeli na? Wa pendula umuntu ka Tixo, wa ti, uJehova u namandhla ukukunika okuningi kakulu ku na loku.

10 uAmazia wa ba hlukanisa, nempu e ya fika kuyena i vela eEfraimi, wa i godusa, ngaloko ba tukutela kakulu abakwaJuda, ba buyela ekaya be nola-ka olukulu.

11 uAmazia wa ziqinisa, wa ba hola abantu bake, wa ya esigodini sika saoti, wa bulala aba kwa Sira izinkulungwane ezi ishumi.

12 Nabasindileyo aba izinkulungwane ezi ishumi, ba tatwa abakwaJuda be izibotywa, ba ba yisa pezu kwetye, ba ba ponsa pansu ba hlifizeka bonke.

13 Kodwa amabuto empi a wa buyisa uAmazia, ukuba a nga hambu naye ekulweni, a ziponsa pezu kwemizi yakwa Juda, ku suka eSamaria kwa ze kwa fika eBetihorani, ba bulala izinkulungwane ezintatu kubona, be tata impango eningi.

14 Kwa ti lapo uAmazia e se buyile ekubulaleni kwake aba seEdomi, wa leta izitixu zabantwana baka Sira, wa zi misa zi be izitixu zake, wa kotamela zona, wa tyisa impepo kuzona.

15 Ulaka luka Jehova lwa m vukela uAmazia, wa tuma umprofeti kuyena, wa ti kuye, U zi funeleni izitixu zabantu, e za zi nge namandhla ukukulula abantu bazo esandhleni sako na?

16 Kwa ti, lapo e sa kuluma nayo, ukosi ya ti kuyena, Wenzelwe ukukuluma nenkosi wena na? Yeka; u nga bulawelani wena na? Wa yekake umprofeti, wa ti, ngi yazi ukuba uTixo u qinisele uku ku bulala wena, ngokuba u yenzile lento, u nga i lalalanga inkulumo yami.

17 Wa ceba icebo uAmazia inkosi yakwa Juda, wa tumela kuJoashi, indodana ka Jehoahazi, indodana ka Jehu, inkosi yakwa Israeli, wa ti, Woza, ma si bonane ngobuso.

18 uJoashi inkosi yakwa Israeli ya tumela kuAmazia inkosi yakwa Juda. wa ti, Umtolo wa seLebanoni wa tuma kulo isedare e la li seLebanoni, wa ti, nikela indodana yami intombi yako i be umkako; kwa dhlula isilo e sa si seLebanoni, sa nyatela pansu umatolo.

19 U ti wena, bheka, ngi ba bulele aba kwaEdomi, nenhliziyo yako yenzela ukuziqenya: hlala manje ekaya; ini ukuba u zibulale, wena, naba kwa Juda kanye nawe na?

20 Kodwa uAmazia a kezwanga; ngokuba kwa vela kuTixo, ukuba a ba nikele ezandhleni zezita zabo, ngokuba ba funa izitixu zakwa Edomi.

21 Ngako uJoashi inkosi yakwa Israeli wa kupuka; ba bonana ngobuso, yena noAmazia inkosi yakwa Juda, eBetishemeshi, e li nge lika Juda.

22 AbakwaJuda ba hlulwa ngabaka Israeli, kwa i lowo wa balekela endhlini yake,

23 uJoashi inkosi yakwa Israeli wa m tata uAmazia inkosi yakwa Juda, nendodana ka Joashi, indodana ka Jehoahazi, eBetishemeshi, wa m leta eJerusalem, wa luapula udonga lweJerusalem, ku suke emnyango ka Efraimi, kwa ze kwa fika emnyango o sengosini, amakubiti a ngamakulu amane.

24 Wa li tata lonke igolide nesiliva. nazo zonke izitya eza tolwa kuObededomi endhlini ka Tixo, namagugu endhlu yenkosi, no kwa ku bekiwe, ba buyela eSamaria.

25 uAmazia indodana ka Joashi inkosi yakwa Juda, ya pila iminyaka e ngamashumi a isihlanu emva kokufa kuka Joashi indodana ka Jehoahazi inkosi yakwa Israeli.

26 Manjeke izenzo ezinye zika Amazia, zakuqala nezokugcina, bheka, zi lotyiwe encwadini yamakosi akwa Juda neIsraeli?

27 Kwa tike emva kwesikati sokupe-nduka kuka Amazia ekumlandeleni kwake uJehova, wa menzela icebo eJerusalem; wa baleka wa ya eLakisha; kodwa ba fika, ba m bulala kona.

28 Ba m twala ngamashashi, ba m gqi-ba kanye nokoko bake emzini wa kwa Juda.

ISAHLUKO 26.

**A**BANTU bonke ba m tatake uUzia, o wa e neminyaka e ishumi nesitupa, ba menza inkosi endaweni ka Amazia uyise.

2 Wa laka iEloti, wa li buyisela kwaba seJuda, emva kwaloku inkosi ya lala nokoko bayo.

3 uUzia wa e neminyaka e ishumi nesitupa ekuqaleni kokubusa kwake, wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi a isihlanu nambili. Igama lika nina la li nguJekolia wa seJerusalem.

4 Wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, njengako konke okwenziwa uAmazia uyise.

5 Wa m funa uTixo ezinsukwini zika Zekaria, o wa e nokwazi ezibonisweni zika Tixo; kwa ti lapo e m funayo uJehova, uTixo wa m busisa.

6 Wa puma wa lwa naba seFilisti, wa pula udonga lakwa Gati, no lakwa Jabne, no lakwa Ashdodi, waka imizi ngaseAshdodi, na kumaFilisti.

7 uTixo wa m siza kumaFilisti, na kwaba seArabia, a e hlezi eGurbali na kumaMehuni.

8 AbakwaAmoni ba m nika uUzia izipo; negama lake landa la ze la fika ekungeneni kwa seEgipite; ngokuba wa ziqinisa ngamandhla.

9 uUzia waka izinqaba eJerusalem na semnyangweni wokugeina, na sesigodini, na sekubuyeni kodonga, wa zi vikelu.

10 Wenza izinqaba nasehlane, wemba nemigodi eminingi yamanzi; ngokuba wa e nezinkomo eziningi, ezweni eli pansi na senatafeni; nabalini futi, nabalungisi bezivini ezintabeni, naseKarmeli ngokuba wa ku tanda ukulima.

11 Futi uUzia wa e nesixuku sabalwawo, e sa puma ukulwa ngamabandhla, njengokubalwa kwabo ngesandhla sika Jehieli umlobi, noMascia umbusi, ngapansi kwesandhla sika Hanania, enye induna yenkosi.

12 Ubuningi bezikulu za oyise amu-

qawe, ba bu izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa.

13 Ngapansi kwezandhla zabo kwa ku kona impi, izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, nezinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu, a ba belwa ngamandhla, uku siza inkosi nga sesiteni.

14 uUzia wa si lungisela sonke isixuku izihlangu nemikonto, nezivikelo, nemicibityelo namalengiso okuponsa amatye.

15 Wenza nemishini eJerusalem, e ya qanjwa ngabahlakanipileyo, ukuba i be ngapezu kwezinqaba, ukuponsa imicibityelo, namatye amakulu, Negama lake landa kude; ngokuba wa sizwa ngokumangalisayo, wa ze wa ziqinisa.

16 Kodwa lapo e se namandhla, inhliziyoyake ya vukela ukubujiswa kwake; ngokuba wona ngoJehova uTixo wake, wa ngena etempelini lika Jehova, ukutyisa impepo pezu kwelati lempepo.

17 uAzaria umpristi wa ngena e m landela, ku kona kanye naye abapristi baka Jehova aba ngamashumi a isishiya-galombili, aba ngabantu aba lungileyo.

18 Ba m kuza uUzia umpristi, Ba ti kuye, A ku fanele ukuba wena, Uzia, u tyisele uJehova impepo, kodwa abapristi amadodana ka Aroni aba miselwe ukutyisa impepo; puma wena endhlini e ingewele; ngokuba wonile; ku nga bi ngodumo lwako na kuJehova uTixo.

19 uUzia wa tukutela e pete isitya esandhleni sake sokutyisa impepo; na lapo e sa ba tukutela abapristi, kwa bonakalo ubulepero ebunzini lake ngapambi kwabapristi endhlini ka Jehova, eduze kwelati lempepo.

20 uAzaria umpristi omkulu, nabo bonke abapristi, ba m bheka, ba bona ubulepero ebunzini lake, ba m kipa lapo; naye wa tyetya ukuzipumela, ngokuba uJehova e m tyayile.

21 uUzia inkosi wa ba nobulepero wa ze wa fa, wa hlala endhlini e yedwa, ngokuba e nobulepero; ngokuba wa hlukaniswa endhlini ka Jehova; uJotamu indodana yake wa ba pezu kwendhlu yenkosi, ahlulela abantu bezwe.

22 Manje ezinye izenzo zika Uzia, eza-kuqala nezokugeina, zi lotyiwe ngu Isaya umprofeti, indodana ka Amozi.

23 uUzia wa lala nokoko bake ba m mbela kanye nokoko bake ensimini yamakosi yokumbela; ngokuba ba ti, u ilepero; noJotamu indodana yake wa busa endaweni yake.

ISAHLUKO 27.

**U**JOTAMU wa qala ukubusa e nemi-nyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nesitupa. Igama lika nina la li nguJerusha, indodakazi ka Zadoki.

2 Wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, njengokwenza konke kuka Uzia uyise; kodwa a ka ngenanga endhlini ka Jehova. Nabantu benza okubi.

3 Waka umnyango opakamileyo wendhlu ka Jehova, na ngapezu kodonga lweOfeli waka kakulu.

4 Waka nemizi eminingi ezintabeni zakwa Juda, nasemahlalini waka izindhlu nezinqaba.

5 Wa lwa futi nenkosi yabakwa-Amoni, wa ba hlula. NabakwaAmoni ba m nika nga lowo mnyaka amatalenta a ikulu esiliva, nezilinganiso ezi izinkulungwane ezi ishumi zika kolweni, nezebarle. NabakwaAmoni ba m tika loko, ngomnyaka wobubili, no wobutatu.

6 Ngako uJotamu wa ba nikulu, ngokuba wa zi lungi-sela izindhlela zake ngokJehova uTixo wake.

7 Manjeke ezinye izenzo zika Jotamu nokulu konke kwake, nezindhlela zake, bheka zi lotyiwe encwadini yamakosi aka Israeli noJuda.

8 Wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nesitupa.

9 uJotamu wa lala nokoko bake, ba m mbela emzini ka Davida; noAhazi indodana yake ya busa endaweni yake.

ISAHLUKO 28.

**U**AHAZI wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili, wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nesitupa; kodwa a kenzanga okulungileyo emehlweni ka Jehova, njengoDavida uyise.

2 Ngokuba wa hamba ngezindhlela zamakosi akwa Israeli, wenzela uBali izitombe ezibaziweyo.

3 Wa tyisa futi impepo esigodini sendodana ka Hinomi, wa tyisa abantwana bake emihlweni, njenjezinengiso za bezizwe e za kitywa uJehova ngapambi kwabantwana baka Israeli,

4 Wa nikela futi impepo e tyisiweyo ezindaweni ezi pakamileyo, nasezintabeni, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 Ngako uJehova uTixo wake wa m nikela esandhleni senkosi ya seSyria; ba

m tyaya, ba muka nabaningi babo be izibotywa, ba ba leta eDamaseku. Naye wa nikelwa futi esandhleni senkosi yakwa Israeli, naye wa m tyaya ngokubulala okukulu.

6 Ngokuba uPeka indodana ka Remalia, wa hlula eJuda ngosuku lunye izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili, a e ngamaqawe odwa; ngokuba ba be m delile uJehova uTixo wa oyise.

7 uZikri iqawe lakwa Efraimi, la m bulala uMaseia indodana yenkosi, noAzrikamu umbusi wendhlu, noElkana o ngenmva kwenkosi.

8 Nabakwa Israeli ba mukisa kubafo wabo izibotywa zizinkulungwane ezi ngamakulu amabili, abesifazana, namadodana namadodakazi, ba muka nempango eningi kubona, ba i leta eSamaria.

9 Kodwa umprofeti ka Jehova wa e kona lapo, ogama lake li nguOdedi wa si pumela isixuku e sa fika eSamaria, wa ti kubona, Bhekani, ngokuba uJehova uTixo wa oyihlo benu wa li tukutelela iJuda, wa li nikela esandhleni senu, nani ni ba bulele ngokutukutela oku fika na sezulwini.

10 Manjeke ni funa uku ba hlalisa abakwa Juda neJerusalem, ba be izigqili kinina: kodwa a ziko kinina uqobo izono nga kuJehova uTixo wenu na?

11 Yizwani mina, ni zi buyise izibotywa, eni zi tatileyo kubafo wenu; ngokuba ulaka olukulu luka Jehova lu pezu kwenu.

12 Kwa ti abanye abakulu bakwa Efraimi, uAzaria indodana ka Johanani, noBerekia indodana ka Meshilemoti, noJehizkia indodana ka Shaluma, noAmasa indodana ka Hadlai, bema nga kubona aba puma empini,

13 Ba ti kubona, Ma ni nga zi ngenisi izibotywa lapa; ngokuba noko sonile kuJehova, ni funa ukwelekelo izono zetu: ngokuba zona zikulu, ku kona nolaka olukulu nga kubo abaIsraeli.

14 Ngako abahlomileyo ba zi shiya izibotywa, nempango, ngapambi kwezikulu nesixuku sonke.

15 Nabatywiwo ngamagama ba vuka, ba zi tata izibotywa, na ngempango ba gqokisa bonke a ba nge naluto, ba ba gqokisa, ba ba faka nezicatulo, ba ba nika nokudhla, namanzi, ba ba geoba, ba twala naba butakataka pezu kwezimbongolo, ba ba leta eJeriko, umuzi wemiti yomtemari, kubafo wabo: ba buyelake eSamaria.

16 Ngalesosikati inkosi uAhazi wa tula emakosini a seAsiria ukuba a m size.

17 Ngokuba abakwaEdomi ba li tyaya futi iJuda, ba muka nezibotywa.

18 NamaFilisti futi a ngena emizini yezwe eli pansi, ngenzansi kweJuda, a li tata iBeti-shemeshi, neAjalon, neGederote, neShoko nemizana yakona, neTimna nemizana ya kona, neGimzo nemizana ya kona: ba hlala kona.

19 Ngokuba uJehova wa li wisa iJuda ngenxa ka Ahazi inkosi yakwa Israeli; o wa lenza iJuda li beze, wona kakulu kuJehova.

20 uTilgate-pilnesa inkosi ya seAsiria weza kuyena, wa m hlupa, a ka m siza.

21 Ngokuba uAhazi wa tata okunye endhlini ka Jehova, na sendhlini yenkosi, na kuzo izikulu, wa ku nika inkosi ya seAsiria: kodwa a i m sizanga.

22 Ngesikati sokuhlupeka kwake, wona futi kuJehova; yena uAhazi inkosi.

23 Ngokuba wa hlabela amakosi a seDamaseku, a e m tyaya, wa ti yena, Ngokuba izitixo zamakosi a seSiria zi ya ba siza, ngako ngo hlabela zona, ukuze a ngi size mina. Kodwa a m bulala yena nabo bonke abaseIsraeli.

24 uAhazi wa buta izitya zendhlu ka Tixo, wa zi fihliza izitya zendhlu ka Tixo, wa i vala iminyango yendhlu ka Jehova, wa zenzela amalati ezingosini zonke za seJerusalema.

25 Na kuyo yonke imizi ya seJuda wenza izindavo ezi pakamileyo uku tyisela izitixo ezinye impepo, e vusa uluka luka Jehova uTixo wa oyise bake.

26 Manjeke ezinye izenzo zake, nezindhlela zonke zake, czakuqala nezokugcina, bheka, zi lotyiwe enewadeni yamakosi a seJuda na seIsraeli.

27 uAhazi wa lala nokoko bake ba m gqiba emzini, eJerusalema; kodwa ka ba m letanga ematuneni amakosi a seIsraeli: noHezekia indodana yake ya busa endaweni yake.

ISAHLUKO 29.

**U**HEZEKIA wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyagalolunye. Igama lika nina la li nguAbija, indodakazi ka Zekaria.

2 Wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, ngako konke o kwenziwa uDavida uyise.

3 Yena, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwake, nangenyanga yokuqala, wa vula amasango endhlu ka Jehova, wa wa lungisa.

4 Wa ngenisa abapristi namaLevi, wa ba butela esitaladini sa sempumalanga.

5 Wa ti kubona, Yizwani mina, nina maLevi, zigcobeni nina manje, ni yenze ngewele indhlu ka Jehova uTixo wa oyihlo benu, ni suse okubi endaweni e ingewele.

6 Ngokuba obaba betu bonile, benza okubi emehlweni ka Jehova uTixo wetu, ba m dela, ba pendula ubuso babo ngasendhlini ka Jehova, ba veza nemihlana yabo kona.

7 Ba zi valile nezivalo, ba cima izibani, be nga yi tyisi impepo nemihlabelo endaweni e inewele kuTixo ka Israeli.

8 Ngako uluka luka Jehova lwa lu pezu kweJuda neJerusalema, wa ba nikelela ezinhlupekweni, nokumangala noku sasazela, njengokubona kwenu ngamehlho enu.

9 Ngokuba, bheka, obaba ba wile ngenkamba, namadodana etu, namadodakazi, nabafazi, ba sebugqilini ngenxa ya loku.

10 Ngokuba ku senhliziyweni yami ukwenza isivumelwano, kanye noJehova uTixo ka Israeli, ukuba uluka lwake olukulu lu si shiye.

11 Madodana ami, ni nga vilapike manje; ngokuba uJehova u ni ketile nina ukuba ni me ngapambi kwake, ukumsebenzela, ni kulume naye, ni tyise impepo.

12 AmaLevi a vukake, uMahati indodana ka Amasai, noJoeli indodana ka Azaria, amadodana amaKohati: namadodana aka Merari, uKishi indodana ka Abdi, noAzaria indodana ka Jehaleli; na ba kwabaGershoni, uJoa indodana ka Zima, noEdene indodana ka Joa:

13 Kumadodana ka Elizafani; uShimiri, noJieli; na kumadodana ka Asafa; uZekaria, noMatania:

14 Kumadodana ka Hemani; uJehieli, noShimei; nakumadodana ka Jedutani; uShemia, noUzieli.

15 Ba buta abafu wabo, ba zigcoba ba fika, njengesiyalezo senkosi, ngemisebenzi ka Jehova, ukulungisa indhlu ka Jehova.

16 Abapristi ba ngena pakati kwendhlu ka Jehova, ukulungisa, ba kipa

yonke insila aba i tolayo etempeleni lika Jehova, ba i buyisela ngapandhle. NamaLevi a i tata, ukuyisa emfuleni iKidroni.

17 Ba qala ngosuku lokuqala lwenyanga yakuqala, ukulungisa, na ngosuku lweshiyagalombili lwenyanga ba fika ngapambi kwesigodhlo sika Jehova; ngako ba i lungisa indhlu ka Jehova ngezinsuku ezi isishiyagalombili: na ngosuku lweshumi nesitupa lwenyanga yokuqala ba gcina.

18 Ba ngenake kuHezekia inkosi, ba ti, si i lungisile yonke indhlu yenkosi, nelati lemihlabele, nezitya zonke zalo, netebula lesinkwa sesibonakaliso, nezi-tya zonke zalo.

19 Futi zonke izitya eza ntyingwa inkosi uAhazi ekoneni kwake e sembusweni wake, si zi lungisile sa zi gcoba, zi kona ngapambi kwelati lika Jehova.

20 uHezekia inkosi wa vuka kusasa, wa buta ababusi bomuzi, ba kupukela endhlini ka Jehova.

21 Ba leta izinkabi ezi isikombisa, nezinqama ezi isikombisa, namaewane a isikombisa, nezimpongo ezi isikombisa, ukuhlabelela isono sombuso, nendhlu yenkosi, neJuda. Wa yaleza abapristi amadodana ka Aroni, uku zi nikela ngapezu kwelati lika Jehova.

22 Ba zi bulala izinkabi, nabapristi banukela igazi, ba li fafaza pezu kwelati: futi, se be bulele izinqama, ba fafaza igazi lazo pezu kwelati; ba bulala namaewane, ba fafaza igazi lawo pezu kwelati.

23 Ba leta izimpongo zomihlabelele wokona, napambi kwenkosi nesixuku; ba beka izandhla zabo pezu kwazo:

24 Abapristi ba zi bulala, ba telelela ngegazi lazo pezu kwelati abaIsraeli bonke; ngokuba inkosi ya yaleza ukuba okutyiselwa isono ku ya kwenzelwa abaIsraeli bonke.

25 Wa misa amaLevi endhlini ka Jehova be pete izingumbu njengesiyalezo sika Davida, ne sikaGadi umprofeti wenkosi, noNatani umprofeti: ngokuba isiyalezo sika Jehova sa si njalo ngabaprofeti bake.

26 AmaLevi ema e pete izingumbu zika Davida, nabapristi be pete amatilongo.

27 uHezekia wa yaleza ukuba ku tyiswe umhlabelele pezu kwelati, Na lapho ku qalwayo isihlabelele sika Jehova

sa qalwa ngamatilongo, na ngezingubu eza miswa uDavida inkosi yabaIsraeli.

28 Sonke isixuku sa konza, nabahlabeleli ba hlabelela, nabetilongo ba beta; ba qinisela bonke kwa za kwa pela umhlabelele otiyiswayo.

29 Lapho se be wu qedile umhlabelele, inkosi nabo bonke aba be kona, ba zikotamisa ba dumisa.

30 Futi uHezekia inkosi nezikulu za yaleza amaLevi ukugwabela uJehova udumiso ngamazwi ka Davida, na ka Asafa umprofeti. Ba gwaba udumiso ngenjabulo, ba kotamisa amakanda abo ba dumisa.

31 uHezekia wa pendula wa ti, Manje ni zinikile kuJehova, sondelani ni lete izipo nezipo zokubonga endhlini ka Jehova. Nesixuku sa ngenisa izipo nezipo zokubonga; naba nenhliziyo yokubonga ba leta imihlabelele yokutyiswa.

32 Ubuningi bemihlabelele yokutyiswa e ya ngeniswa isixuku, ba bu izinkabi ezi ngamashumi a isikombisa, nezinqama ezi ikulu, namaewane a ngamakulu amabili; zonke lezi za zi umhlabelele kuJehova.

33 Okwamiswayo ku be ingewele kwa ku izinkabi ezi ngamakulu a isitupa, nezimvu ezi izinkulungwane ezintatu.

34 Kodwa abapristi ba be ingeosana, be nge nakuzibulala zonke izilwane, ngako ba sizwa amaLevi abafu wabo, wa ze wa pela umsebenzi, ba ze ba zigeoba nabanye abapristi; ngokuba amaLevi ba be nezinhliziyi ezilungile ukuzigeoba ku nabapristi.

35 Imihlabelele ya i miningi, namano- ni emihlabelele yokutula, nezipo zokupuzo kuyo yonke imihlabelele etyiswayo, ngakoke umsebenzi wendhlu ka Jehova wa lungiswa.

36 uHezekia wa jabula, nabantu bonke, ukuba uTixo wa ba lungisa abantu; nento yenzakala masinyane.

#### ISAHLUKO 30.

**U**HEZEKIA wa tumela kubo bonke abaIsraeli nabaJuda, wa loba nezincwadi kuEfraimi noManasa, ukuba ba fike, endhlini ka Jehova eJerusalema, ukugecina ipasika kuJehova uTixo ka Israeli.

2 Ngokuba inkosi ya kuluma nezikulu zayo, nesixuku sonke eJerusalema, ukugecina ipasika ngenyanga yobubili.

3 Ngokuba ba be nge nakugecina nga lesosikati, ngokuba abapristi ba be nga

ka zigcobile kahle, nabantu ba be nga ka butaneli eJerusalema.

4 Into leyo ya i jabulisa inkosi nesi-xuku sonke.

5 Benzake umteto, kwa menyazelwa kubaIsraeli bonke kwa suka eBereshaba kwa za kwa seDani, ukuba ba fike benze ipasika kuJehova uTixo ka Israeli, eJerusalema; ngokuba kwa se ku isikati esikulu be nga kwenzanga loko njengokulotyweyo.

6 Ngako izigijimi za hamba nezinewadi ezi puma enkosini nezikulu zayo, kubo bonke abIsraeli nabaJuda, njengesiyalezo senkosi, i ti, Nina baka Israeli, buyelani kuJehova uTixo ka Abrahamama, noIsaka, noIsraeli, naye u ya kuibuyela insali yenu, e punyukileyo esandhlani samakosi akwa Asiria.

7 Ni nga bi njengoyihlo benu, nabazalwane benu, abonileyo kuJehova uTixo wa oyise babo, no wa ba citayo, njenga loku ni bona nani.

8 Ni nga bi ntamo lukuni, njengoyihlo, kodwa zinikeni kuJehova, ni ngene endhlini yake, a yenze ngewele ku ze ku be pakade; ni konze uJehova uTixo wenu, ukuba ulaka lwake olukulu lu ni shiye.

9 Ngokuba uma ni buyela kuJehova futi, abafu wenu nabantwana benu, ba ya kuba haukela bona aba be benza izibotywa, ba buye ba ngene ezweni leli; ngokuba uJehova uTixo wenu u lungile u nomusa, a ka yi ku ni pendulela ubuso, uma ni buyela kuyena.

10 Ngako izigijimi za hamba kuyo yonke imizi ezweni lakwa Efraimi noManasa, za ze za fika eZebuloni; kodwa ba zi hleka usulu, ba zi lingisa.

11 Noko abanye bakwa Asheri, noManasa, noZebuloni, ba zitobisa, ba fika eJerusalema.

12 Futi eJuda isandhla sika Jehova sa si kona ukubanika inhliziyo inye ukusenza isiyalezo senkosi ne sezikulu zayo, ngezwi lika Jehova.

13 Kwa butuna eJerusalema abantu abaningi ukwenza ukudhla kwesinkwa esingakukumele ngenyanga yobubili, isixuku esikulu kakulu.

14 Ba vuka ba wa susa amalati a seJerusalema, namalati onke empepo ba wa susa, ba wa ponsa emfuleni iKidroni.

15 Ba li bulala ipasika ngosuku lwe-shumi nane, lwenyanga yobubili; nabapristi namaLevi ba be nenhloni, ba

zigcoba, ba ngenisa izipo ezityisweyo endhlini ka Jehova.

16 Bema endaweni yabo njengokuma kwabo, njengomteto ka Mosi umuntu ka Tixo; abapristi ba fafaza igazi, aba lamkele ezandhlani zamaLevi.

17 Ngokuba ba be bawingi esixukwini aba be nga geotyiwe: ngako amaLevi a e ba sebenzela bonke aba be ngolile ekubulaleni ipasika, ukuba ba geotyelwe uJehova.

18 Ngokuba iningi labantu, baka Efraimi, noManasa, noIsaka, noZebuloni, ba be nga ka zihlanzi, noko ba li dhla ipasika njengokulotyweyo. Kodwa uHezekia wa ba tandazela, e ti, uJehova olungileyo ma ka ba yekele bonke.

19 Abalungisela izinhliziyi zabo ukufuna uTixo, uJehova uTixo wa oyise babo, noko e nga hlaziwe njengokulunga kwendhlu e ingewele.

20 uJehova wa m lalela uHezekia, wa ba sindisa abantu.

21 Nabakwa Israeli aba be seJerusalema ba kwenza lokokudhla oku nge nambiliso izinsuku ezi isikombisa ngokujabula okukulu; namaLevi nabapristi ba dumisa uJehova ngezinsuku zonke, be gwaba ngezingumbu ezi namandhla kuJehova.

22 uHezekia wa kuluma kahle kuwo onke amaLevi a fundisa ukwazi kuka Jehova okulungileyo; ba dhla ku loko kudhla izinsuku ezi isikombisa, be nika izipo zokutula, be zi bika kuJehova uTixo wa oyise babo.

23 Sonke isixuku sa vumelana ukulhalela ezinye izinsuku ezi isikombisa; ba zi hlalela ngenjabulo.

24 Ngokuba uHezekia inkosi ya kwa Juda wa si nika isixuku zinkabi ezi inkulungwane, nezinqama ezi izinkulungwane ezi isikombisa; nezikulu za si nika isixuku zinkabi ezi inkulungwane, nezinyu ezi izinkulungwane ezi ishumi; nabapristi abaningi ba zigcoba.

25 Naso sonke isixuku sakwa Juda, kanye nabapristi namaLevi, nesixuku sonke e sa puma eIsraeli, nabezizwe aba puma ezweni lakwa Israeli, na ba be hlezi eJuda, ba jabula.

26 Kwa ba kona injabulo enkulu eJerusalema; ku i loku kwenzakala esikatini sika Salomona indodana ka Davida inkosi yakwa Israeli.

27 Ba yukake abapristi amaLevi ba busisa abantu: nezwi labo lezwakala, nomtandazo wabo wa kupukela endaweni yake e ingewele yokuhlala, ezulwini.



ISAHLUKO 31.

**L**APO se ku pelile konke loku, abaninzi Israeli bonke aba be kona ba ngena emizini yakwa Juda, ba hlifiza izitombe, ba nquma amahlali, ba wisa pausi izindawo ezipakamileyo namalati eJuda nakwaBenjamini, na seEfraini nakwaManasa, ba ze ba zi bulala zonke. Ba buyake bonke abakwaIsraeli, ilowo endaweni yake, nasemzini wake.

2 uHezekia wa misa abapristi namaLevi ngokuma kwabo; i lowo ko wake unisebenzi, abapristi namaLevi ba geotyelwa imihlabelelo etyiswayo ne yokutula, ukukonza, nokubonga, nokudumisa eminyangweni yezindhlu zika Jehova.

3 Wa misa futi inxenye yemfuyo yenkosi eyokutyiswa, imihlabelelo yakusasa na kusihlwa, ne yamasabata, ne yezinyanga ezintya, ne yokudhla okumisiweyo, njengokulotyweyo emtetweni ka Jehova.

4 Wa yaleza futi abantu aba hlezi eJerusalem ukuba ba nike abapristi namaLevi okwabo, ukuba ba be nesibindi emtetweni ka Jehova.

5 Lapo leso siyalezo se si fikile kubona, abakwaIsraeli ba leta kakulu izitelo zakunqala zombila, newaini, namafuta, nezinyosi, na kuzo zonke izitelo zeusimu; nenxenye yeshumi yako konke ba ku leta kakulu.

6 NabakwaIsraeli noJuda, aba ba hlala emzini yakwa Juda, ba leta inxenye yeshumi yezinkabi nezimvu, nenxenye yeshumi yezinto ezi ingewele eza zi nikwa uJehova uTixo wabo, ba ku beka konke ezinqwabeni.

7 Ngenyanga yesitatu ba qala ukwenzisa isisekelo sezinqwaba, ba qeda ngenyanga yesikombisa.

8 Lapo uHezekia nezikulu ba fika ba bona izinqwaba, ba dumisa uJehova, nabantu bake abaninzi Israeli.

9 uHezekia wa kuluma kubapristi namaLevi ngazo izinqwaba.

10 uAzaria induna yabapristi bendhlu ka Zadoki wa m pendula, wa ti, I loku abantu be qalile ukuleta izipo endhlini ka Jehova, si sutile, sa shiya nokuningi; ngokuba uJehova u ba busisile abantu bake; nokuseleyo ku i lenqwaba enkulu.

11 uHezekia wa yaleza ukuba kwenziswe amakamelo endhlini ka Jehova; ba wenza.

12 Ba zi ngenisa izipo, nezinxenye zamashumi, nokunikiweyo ngokulungi-

leyo: uKononia umLevi wa ye umbusi pezu kwa loku noShimeji umfo wabo wa m laudela.

13 uJehieli, noAzaria, noNahate, noAsaheli, noJerimote, noJozabade, noElieli, noIsmakia, noMahati, noBenaja, ba be ngabameli ngapansi kwesandhla sika Kononia noShimeji umfo wabo, ngesiyalezo sika Hezekia inkosi, noAzaria umbusi wendhlu ka Tixo.

14 uKore indodana ka Inna umLevi, umlindi wa ngasempumalanga, wa epezu kwezipo zotando ku Tixo ukwahlukanisa izipo zika Jehova, noku ingewele kakulu.

15 Naye wa landelwa uEdene, noMiniamini, noJeshua, noShemaia, noAmaria, noShekania, emizini yabapristi, emalawini abo, ukunika abafu wabo ngokuma kwabo, ku bakulu na kwabancane:

16 Futi ngokuma kwesilisa, ku suke emnyakeni emitatu nangapezulu, na kubo bonke aba ngenayo endhlini ka Jehova, isabelo sake njalo ngosuku ngomsebenzi wake ngokuma kwabo.

17 Na ngokuma kwabapristi ngendhlu ya oyise, namaLevi ku suke emnyakeni e ngamashumi amabili na ngapezulu, njengezilinganiso zabo;

18 Na ngokuma kwezingane zonke zabo, nabafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo, kuso sonke isixuku: ngokuba emsebenzini wabo oniyo, ba zigcoba ngoku ingewele.

19 Namadodana ka Aroni abapristi, aba be semasimini ngapandhle kwemizi yabo, ku lowomuzi njalo, amadoda a e bizwe ngamagama abo, ukwabela sonke isilisa kubapristi, na kubo bonke aba balwa ngokuma kwabo kuwo amaLevi.

20 Wenza loku uHezekia kulo lonke iJuda, wenza okuhle, nokulungileyo, neqiniso ngapambi kuka Jehova uTixo wake.

21 Umsebenzi wonke a wu qalileyo enkonzweni yendhlu ka Tixo, na semtetweni, na kuzo izimemezelo, ukumfuma uTixo wake, wa wenza ngenhliziyo yonke yake, wa busiswa.

ISAHLUKO 32.

**N**GASEMVA kokumiswa kwa lezi zinto, uSenakeribi inkosi ya seAsiria ya fika, ya ngena eJuda, ya misa ngasemzini ebiyiweyo, e cabanga ukuzitabela yona.

2 Lapo uHezekia e bona ukuba uSena-

keribi u fikile, nokuba u funa ukulwa neJerusalema,

3 Wa qondisana nezikulu zake ukuba ba vimbele amanzi emitombo e ngapandhle komuzi; nabo ba ni siza.

4 Kwa butana abantu abaningi, ba vimbela yonke imitombo, nomfula owa u hamba pakati kwezwe, be ti, Ku ngani ukuba ku fike amakosi a seAsiria, a tole amanzi amaningi na?

5 Wa ziqinisa futi, wa vusa udonga lonke o lwapukile, lwa ze lwa fika ezinqabeni, nolunye udonga ngapandhle, wa vusa iMilo emzini ka Davida, wenza izinkande nezihlangu eziningi.

6 Wa misa izinduna zempi pezu kwabantu, wa ba butela kuyena esitaladini ngasesangweni lomuzi, wa kuluma kahle kubona, e ti,

7 Yibani namandhla ni me isibindi, ni ngesabi ni tutumele, ngenxa yenkosi ya seAsiria, nesixuku sonke esi nayo; ngokuba baningi kitina ku nayo:

8 Kuyena ku kona umkono wenyama; kodwa kitina ku kona uJehova uTixo wetu, ukusisiza, nokulwa impi yetu, nabantu ba pumula kuwo amazwi ka Hezekia inkosi yakwaJuda.

9 Ngasemva kwa loku uSenakeribi inkosi ya seAsiria wa tuma izineku zake eJerusalema, (kodwa yena wa hlasela iLakisha, nabo bonke kanye naye,) wa tumela kuHezekia inkosi yakwaJuda, nakubo bonke abakwaJuda eli seJerusalema, wa ti,

10 U ti uSenakeribi inkosi ya se Asiria, Netembani nina, ukuba ni me enqabeni ya seJerusalema na?

11 uHezekia a ka ni yengi ukuba ni zi nikele ekufeni ngendhlala na? e ti, uJehova uTixo wetu u ya kusikipa esandhleni senkosi ya seAsiria na?

12 Yena uHezekia lowo a ka zi susanga izindawo zake ezipakamileyo namalati ake na? e yaleza abaJuda naba seJerusalema, e ti, Ni ya ku dumisa ngapambi kwelati linye, ni tyise impepo pezu kwalo.

13 A ni kwazi okwenziwe imina nobaba kubantu bezinye izizwe na? za zi namandhla izitixo za lezo zizwe ukukulula izwe labo esandhleni sami na?

14 Kwa ku kona bani kuzo zonke izitixo za lezo zizwe e za qedwa obaba bami, o wa e nga kipa abantu bake esandhleni sami na? ukuze uTixo wenu a be namandhla uku ni kipa esandhleni sami na?

15 Manje a ka nga ni kohlisi uHezekia, a ni yenge nga loku, ni nga m lalali; ngokuba akako uTixo wezizwe nemibuso o namandhla ukukulula abantu bake esandhleni sami, ne sa obaba bami; o wenu uTixo a nge ni kulule nakanye esandhleni sami.

16 Nezineku zake za m hleba futi uJehova uTixo, nenceku yake uHezekia.

17 Wa loba futi izinewadi zoku m hleba uJehova uTixo ka Israeli, nezi kuluma ngaye, zi ti, Njengokuba izitixo zezinye izizwe zi nga ba kipanga abantu bazo esandhleni sami, njaloke uTixo ka Hezekia a nge ba kulule nabake.

18 Ba memeza ngezwi elikulu ngolwimi lwabaJuda kubantu aba seJerusalema aba pezu kodonga, ukubetusa, noku ba hlupa; ukuze ba wu tate umuzi.

19 Ba hleba uTixo weJerusalema, nje ngezitixo zabantu bomhlaba, ezi umsebenzi wezandhla zabantu.

20 Na ngalokuke uHezekia inkosi, nonprofeti uIsaya indodana ka Amozi, ba tandaza ba kala ezulwini.

21 uJehova wa tuma ingelosi, ya wa nquma onke amaqawe, nabaholi, nezinduna, ekamu lenkosi ya seAsiria. Naye wa buyela ezweni lake e jabile ebusweni. Lapo e fikile endhlini yesitixo sake, aba puna ematunjini ake ba m bulala ngenkamba.

22 Njaloke uJehova wa m sindisa uHezekia naba seJerusalema esandhleni sika Senakeribi inkosi ya seAsiria, na esandhleni sabo bonke abanye, wa ba hola kuko konke.

23 Nabaningi ba leta izipo kuJehova eJerusalema, nezipo kuHezekia inkosi yabaJuda; wa ba nkulu ezizweni zonke ngasemva kwa loku.

24 Ngalezozinsuku uHezekia wa gula kwangati u ya kufa, wa tandaza kuJehova; naye wa kuluma kuye, wa m nika isibonakaliso.

25 Kodwa uHezekia a ka buyisanga okuhle okwenziwe kuyena; ngokuba inhliziyo yake ya i pakeme: ngako ulaka lwa ba pezu kwake, na pezu kweJuda neJerusalema.

26 Noko uHezekia wa zitobisa enhliziyweni yake, yena naba seJerusalema, nolaka luka Jehova a lu fikanga pezu kwabo ezinsukweni zika Hezekia.

27 uHezekia wa e nemfuyo eningi nodumo; wa zenzela amagugu esiliva, nawegolide, nawamatye amahle, nawama-

ka, nawezihlangu, namagugu onke amahle.

28 Nezindhlu zokubeka umbila, newaini, namafuta; nezindhlu zezilwane zonke, nezindawana zezimvu.

29 Wa zilungisela nemizi, nezindawo zemihlambi eminingi: ngokuba uTixo wa e m nikile okukulu.

30 Yena lona uHezekia wa vimba o wa senhla utombo wamanzi a seGihoni, wa u qondisa ngasentyonalanga komuzi ka Davida. uHezekia wa busiswa kuzo zonke izenzo zake.

31 Kodwa ngomsebenzi wezitunywa zamakosi a seBabulona, eza tuma kuyena ukubuzwa ngesimaugalisiso esenziwa ezweui, uTixo wa m shiya, ukuba a m linge, ukuba a bone konke oku senhliziyweni yake.

32 Imisebenzi eminye ka Hezekia, nokulunga kwake, bheka, a i lotyiwe esibonisenweni sika Isaya umprofeti, indodana ka Amози, na senewadini yamakosi a seJuda na seIsraeli.

33 uHezekia wa lala nokoko bake ba m mbela kwelikulu ituna lamadodana ka Davida; nabo bonke aba Juda naba seJerusalema, ba m lilela ekufeni kwake, uManasa indodana yake wa busa esikhuleni sake.

### ISIAHLUKO 33.

**UMANASA** wa qala ukubusa e nemi-nyaka e ishumi nambili, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi a isihlanu nesihlanu.

2 Kodwa wenza okubi emehlweni ka Jehova, njengokubi kwabezizwe, a ba kipileyo uJehova ngapambi kwabantwana baka Israeli.

3 Ngokuba wa zaka futi izindawo ezi pakamileyo e be zi wisiwe nguHezekia uyise, wa misela uBali amalati, wenza namahlati, wa konza kulo lonke ibandhla lezulu, wa li dumisa.

4 Waka futi amalati endhlini ka Jehova, ngayo e be tyilo uJehova, e ti, eJerusalema igama lami lo ba kona ku ze ku be ngunapakade.

5 Wakela ibandhla lonke lezulu amalati ezinhlangothini ezimbili zendhlu ka Jehova.

6 Wenza abantwana bake ukuba ba dhlule emlilweni esigodini sendodana ka Hinomi: wa linda izikati, nokukangayo, wa sebenza ngabatakati, nako konke kwamadhlozi, wenza okubi kakulu emehlweni ka Jehova, uku m vusela ngolaka.

7 Wa misa nesitombe esibaziweyo, umfanekiso a wenzileyo, endhlini ka Tixo, uTixo wa e te kuDavida na kuSolomona indodana yake, Ku lendhlu, naseJerusalema, e ngi li ketileyo kuzo zonke izizwe zakwa Israeli, ngo beka kona igama lami ku ze ku be pakade.

8 A ngi yi ku lu susa nakanye unyawo luka Israeli ezweni e ngi li ketele oyihlo benu; ukuze ba qapele ukukwenza konke e ngi ba yaleze kona, nje ngawo wonke umteto, nemiyalo, nezimiso, ngesandhla sika Mosi.

9 Ngakoke uManasa wa bedusa abakwa Juda neJerusalema, ba dhlula nabezizwe ngobubi, aba be bulewe nguJehova ngapambi kwabantwana baka Israeli.

10 uJehova wa kuluma kuManasa, na kubantu bake; kodwa ka ba lalalanga.

11 uJehova wa ba fikelake ngezinduna zesixuku zenkosi ya seAsiria, nabo ba bamba uManasa emveni, ba m bopa ngezinsimbi, ba m yisa eBabulona.

12 Lapo e sekuhlupekeni, wa kala kuJehova uTixo wake, wa zitobisa kakulu ngapambi ka Tixo wa oyise bake.

13 Wa tandaza kuyena, wa cela, naye wa kuzwa ukucela kwake, wa m buyise la futi embusweni wake eJerusalema. uManasa wa bonake ukuba uJehova uyena uTixo.

14 Ngasemva kwa loku wa haqa umuzi ka Davida ngodonga, ngasentyonalanga kweGihoni, esigodini, ngasekungeni komyango wenhlauzi, wa haqa no Ofeli, wa lu kupula kakulu, wa beka izinduna zokulwa emizini yonke ebiyiweyo ya seJuda.

15 Wa susa izitixo ezingaziwayo, nesitombe endhlini ka Jehova, nawo onke amalati a e wakile entabeni yendhlu ka Jehova, na seJerusalema, wa wa ntyinga ngapandhle komuzi.

16 Wa lungisa ilati lika Jehova, wa hlabela kona izepo zokutula, nezipo zokubonga, wa yaleza abaJuda ukukonza uJehova uTixo ka Israeli.

17 Noko abantu ba hlabela futi ezindaweni ezipakamileyo, kuJehova uTixo wabo kodwa.

18 Manjeke izenzo ezinye zika Manasa, nomtandazo wake kuTixo wake, namazwi abaprofeti aba kuluma kuyena egameni lika Jehova uTixo ka Israeli, bheka a lotyiwe enewadini yamakosi akwa Israeli.

19 Umtandazo wake futi, nokuncenga kwake kuJehova, nezono zonke zake

nokungena kwake, nezindawo lapo waka kona izindawo ezipakamileyo, na lapo wa misa amahlali nezitombe ezibaziweyo, e nga ka tobi; bheka ku lotyiwe kuyo inkulumo yabaprofeti.

20 Ngako uManasa wa lala nokoko bake, ba m mbela endhlini yake; no-Amoni indodana yake wa busa esikundhleni sake.

21 uAmoni wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nambili, wa busa eJerusalema iminyaka emibili.

22 Kodwa wenza okubi emehlweni ka Jehova, njengoManasa uyise: ngokuba uAmoni wa hlabela zonke izitombe ezibaziweyo e zenziwe nguManasa uyise, wa zi dumisa.

23 A ka zi tobisa kuJehova njengoManasa uyise; kodwa uAmoni wona kakulu ngapambili.

24 Nezinceku zake za menzela icebo, za m bulala endhlini yake.

25 Kodwa abantu bezwe ba ba bulala bonke aba be cebile inkosi uAmoni, nabantu bezwe benza uJosia indodana yake ukuba a buse endaweni yake.

ISAHLUKO 34.

**U**JOSIA wa qala ukubusa e neminyaka e isishiyagalombili, wa busa eJerusalema iminyaka e ngamashumi amatatu nanye.

2 Wenza okulungileyo emehlweni ka Jehova, wa hamba ngezindhlela zika Davida uyise, a ka pambuka ngalapa na ngalapa.

3 Ngokuba ngomnyaka wesishiyagalombili wokubusa kwake, e se mutya, wa qala uku m fuma uTixo ka Davida uyise: na ngomnyaka weshumi nambili, wa qala ukususa eJuda neJerusalema izindawo ezipakamileyo, namahlali, nezitombe ezibaziweyo, nezitombe zebumba.

4 Ba wapula amalati ka Bali e buka yena; nezitombe, e za zi ngapezu kwawo, wa zi gaula; namahlali, nezitombe ezibaziweyo, nezebumba, wa zapula, wa zenza utuli, wa lu fafaza pezu kwamatuna abo a e zi hlabela zona.

5 Wa tyisa amatambo abapristi pezu kwamalati abo, wa hlanza iJuda neJerusalema.

6 Wenze njalo nasemizini yakwa Manasa. noEfraimi, noSimeoni, nakuNafatali, namageja abo futi.

7 Lapo e se wa bidhlizile amalati namahlali, e se zi gaulile nezitombe ezibaziweyo za ba utuli, e wisile nezitixo zonke

kulo lonke izwe la seIsraeli, wa buyela eJerusalema.

8 Kwa ti emnyakeni weshumi nesishiyagalombili wokubusa kwake, e se li hlanzile izwe, nendhlu, wa tuma uShafani indodana ka Azalia, noMaseia umbusi womuzi, noJoia indodana ka Joahazi umlobi, ukulungisa indhlu ka Jehova uTixo wake.

9 Lapo se be fikile ku Hilkia umpristi omkulu, ba m nika imali e ya letwa endhlini ka Tixo, e ya butwa ngama-Levi abalindi beminyango, esandhleni sika Manasa noEfraimi, nesali yonke yabaIsraeli, nalo lonke iJuda neBenjamin; ba buyela eJerusalema.

10 Nabo ba i nika esandhleni sezisebenzi e za zi pezu kwendhlu ka Jehova, ba i nika izisebenzi e za zi sebenza endhlini ka Jehova, ukulungisa indhlu;

11 Ba i nika kwa ba qopayo nabakayo, ukutenga amatye abaziweyo, nemiti yokuhlanganisa, noku zi gandaya izindhlu e za bulawa amakosi a seJuda.

12 Abantu ba wenza kahle umsebenzi lowo; naba be ba mela kwa ku nguJahati no Obadia, amaLevi, amadodana ka Merari, noZekeria noMeshulama, amadodana amaKohati, uku wu qubekisa; nabanye bamaLevi, bonke aba be kwazi uku beta izingumbu.

13 Ba be mela nabatwali bemitwalo, be mela nabo bonke aba be sebenza; na kumaLevi kwaku kona abalobi, nezinduna, nabalindi.

14 Lapo be i kipa imali e ya ngeniswa endhlini ka Jehova, uHilkia umpristi wa tola incwadi yomteto ka Jehova e nikwe nguMosi.

15 uHilkia wa m pendula uShafani umlobi wati, Ngi i tolile incwadi yomteto endhlini ka Jehova, uHilkia wa m nika uShafani incwadi.

16 uShafani wa i yisa enkosini incwadi, wa buyisa izwi enkosini, e ti, Konke okwa nikwa izinceku zako, ba kwenzile.

17 Ba i butile imali e ya tola endhlini ka Jehova, ba i nika esandhleni sabameli, na sesandhleni sezisebenzi.

18 uShafani umlobi wa e se i tyela inkosi, e ti, uHilkia umpristi u ngi nikile incwadi, uShafani wa i funda ngapambi kwenkosi.

19 Kwa ti lapo inkosi i wezwile amazwi omteto, ya hxebula izingubo zayo,

20 Inkosi ya yaleza uHilkia, no Ahikamu indodana ka Shafani, noAbdoni

indodana ka Mika, noShafani umlobi, noAsia inceku yenkosi, e ti,

21 Hambani, ni ngi buzele kuJehova, kanye nensali yabaIsraeli nabaJuda, ni ngi buzele ngamazwi a tolwe ku lenewadi: ngokuba lukulu ulaka luka Jehova olu pezu kwetu, ngokuba obaba betu abali bambanga izwi lika Jehova, ukwenza ngako konke oku lotyiweyo, ku lenewadi.

22 uHilkia kanye nabo aba ketwa inkosi, ba ya kuHulda umprofetikazi umka Shaluma indodana ka Tikvate, indodana ka Hazra, umlini wezingubo; (naye wa hlala eJerusalema endhlini yokufunda;) nabo ba kuluma nga lawo mazwi kuyena.

23 Wa ba pendula wa ti, U tyo uJehova uTixo ka Israeli, M tyeleni ununtu o ni tumileyo kimi,

24 U ti uJehova, Bheka, Ngi ya kuleta ububi pezu kwa lendawo, nabantu ba kona, nazo zonke izituko ezilotyiweyo enewadini a ba i fundileyo ngapambi kwenkosi ya seJuda:

25 Ngokuba ba ngi delile mima, ba tyisela ezinye izitixo impepo, ukuba ba ngi vusele ngolaka ngemisebenzi yonke yezandhla zabo; ngako ulaka lwami lu ya kuteleka ku lendawo, lu nga cityi.

26 Kodwa ngenxa yenkosi ya seJuda e ni tumileyo ukubuzwa kuJehova, ni ya kuti kuyona, u ti uJehova inkosi ka Israeli, ngamazwi o wa zwileyo wena;

27 Ngokuba inhliziyo yako ya i tumbile, nawe wa zitobisa kuTixo, lapo u zwayo amazwi ake nga lendawo, nabantu ba kona, wa zitobisa ngapambi kwami, wa hxebula nezingubo zako, wa kala ngapambi kwami; ngi ku zwile wena, u tyo uJehova.

28 Bheka, ngo ku buta kokoko bako, wo ya etuneni lako ngokutula, namehlo ako a ka yi ku bona ububi e ngi ya ku bu letela lendawo, nabantu bakona. Ba li yisake izwi enkosini.

29 Inkosi ya tuma ya buta zonke izikulu za seJuda ne za seJerusalema.

30 Inkosi ya kupuka ya ngena endhlini ka Jehova, nabo bonke aba kwa Juda, naba seJerusalema, nabapristi, namaLevi, nabantu bonke, abakulu nabancane; ya wa funda ezindhleleni zabo onke amazwi enewadi yesivumelwano e ya tolwa endhlini ka Jehova.

31 Inkosi yema endaweni yayo, yenza isivumelwano ngapambi kuka Jehova, ukulandela uJehova, nokulonda izime-

mezelo zake, namazwi ake, nemiteto yake, ngenhliziyo yonke yake, na ngompefumtulo wonke wake, nokuwenza amazwi esivumelwano a lotyiweyo ku lenewadi.

32 Wenza ukuba bonke aba be kona ba seJerusalema nabaseBenjamini, ukuba beme ngaloko. NabaseJerusalema benza njengesivumelwano sika Tixo, uTixo wa oyise babo.

33 uJosia wa susa zonke izinengiso ezizweni zonke zabantwana baka Israeli wenza ukuba bonke aba be kona e Israeli, ukukonza uJehova uTixo wabo. Na ngazo zonke izinsuku zake aba dedikanga ekulandeleni uJehova, uTixo wa oyise babo.

### ISAHLUKO 35.

UJOSIA wenza ipasika kuJehova eJerusalema: ba li bulala ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yakugala.

2 Wa misa abapristi endaweni yabo, wa benamisa emsebenzini wendhlu ka Jehova.

3 Wa ti kuwo amaLevi a fundisa bonke abaIsraeli, a e ngewele kuJehova, Bekani umpongolo o ingewele endhlini e yakiwe nguSolomona indodana ka Davida, inkosi yabaIsraeli; a u yi kuba umtwalo emahlombe enu, konzani manje uJehova uTixo wenu, nabantu bake abaIsraeli.

4 Ni zilungisele ngezindhlu za oyihlo, ngokuma kwenu, njengokuloba kuka Davida inkosi yabaIsraeli, na njengokuloba kuka Solomona indodana yake.

5 Ni me endaweni e ingewele njengokuma kwezindhlu za oyihlo abafu wenu abantu, na njengezihlukaniso zezindhlu zamaLevi.

6 Ni bulale ipasika, ni zigobe, ni lungise abafu wenu, ukuba benze ngengezwi lika Jehova ngesandhla sika Mosi.

7 uJosia wa nika kubantu emihlambini, amacwane, izipo zonke zepasika, bonke aba be kona, izinkulungwane ezingamakulu a ngamashumi amatatu, nezinkabi ezi izinkulungwane ezintatu; loku kwa ku ngo kwenkosi.

8 Nezikulu za ba nika ngokujabula abantu, abapristi, namaLevi; uHilkia, noZekaria, noJehieli, ababusi bendhlu ka Tixo, ba nikela abapristi ku be okwepasika izipo izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa izinkomo ezincane, nezinkabi ezi ngamakulu amatatu.

9 uKonania futi, noShemaia, no Neta-neli, abafo wabo, noHashalia, noJieli noJozabade induna yamaLevi, ba nika amaLevi izipo zepasika izinkomo ezincane ezi izinkulungwane ezi isihlanu, nezinkabi ezi ngamakulu a isihlanu.

10 Kwa lungiswa, nabapristi bema endaweni yabo, namaLevi kwe yabo, njengesiyalezo senkosi.

11 Ba li bulala ipasika, nabapristi banukela igazi esandhleni sabo, ba li fafaza, namaLevi a zi bulala.

12 Ba susa izipo ezi tyisiweyo, ukuze ba nike njengokuma kwezindhlu zabantu, ukunikela kuJehova, njengokulotyweyo encwadini ka Mosi. Benze njalo na sezinkabini.

13 Ba losa ipasika emlilweni njengesimiso: kodwa ezinye izipo ezi ingewele ba zi bilisa ngamabodwe, na ngezitya, ba kwa hlukanisa masinyane kubantu.

14 Ngasemva ba zilungisela bona, nabapristi; ngokuba abapristi amadodana ka Aroni a e libele ekwabeleni izipo ezityisiweyo namafuta, kwa ze kwa hlwa; ngako amaLevi a zilungisela kaye nabapristi amadodana ka Aroni.

15 Abagwabayo amadodana ka Asafa, a e sendaweni yabo, njengesiyalezo sika Davida, noAsafa, noHemani, noJedutuni umprofeti wenkosi; nabalindi, ba linda njalo kuyo yonke iminyango; balelwa nokuwushiya lowo msebenzi wabo; ngokuba abafo wabo amaLevi a e ba lungisele.

16 Ngako wonke umsebenzi ka Jehova wa lungiswa ngosuku lunye, ukondhla ipasika, nokutyisa izipo pezu kwelati lika Jehova, njengesiyalezo senkosi uJosia.

17 AbakwaIsraeli aba be kona ba londhla ipasika nga lesi sikati, nokudhla kwesinkwa esingakukumela izinsuku ezi isikombisa.

18 Ipasika eli njenga lelo lakwa Israeli a li ba nga ko iloku laba sezinsukwini zika Samueli umprofeti; namakosi onke akwa Israeli ka londhlanga ipasika eli njenga lelo lika Josia, nabapristi namaLevi, nabo bonke abaJuda nabaIsraeli ba be kona, naba seJerusalem futi.

19 Lelipasika lenziwa ngonnyaka weshumi nesishiyagalombili wokubusa kuka Josia.

20 Ngasemva kwako konke loku, uJosia e se li lungisile itempeli, uNeko inkosi ya sEgipite ya fika ukulwa no-

Karshemishi ngasemfuleni uUfrate: noJosia wa m pumela.

21 Kodwa yena wa tuma izigigimi kuyena, e ti, Ngi nantoni yako, wena nkosi ya seJuda na? A ngi pumele wena namuhla, kodwa indhlu e ngi xabene nayo; ngokuba uTixo wa ngi yaleza ukuba ngi tyetye: mu yeke wena, uTixo o kimina, ukuze a nga ku bulali.

22 Kodwa uJosia a ka pendukanga, kodwa wa zifihla, ukuba a lwe naye, e nga wa lalenga amazwi ka Neko omlo-mo ka Tixo, weza kulwa naye esigodini sa seMegido.

23 Nabemicibityolo ba i tyaya inkosi uJosia; ya ti inkosi ezincekwini zayo, Ngi suseni, ngokuba ngi limele kakulu.

24 Izinceku zake za m kipake ku leyo newele, za m beka kwenye e ya i kona; za m leta eJerusalema, wa fa, wambelwa kwelinye ituna la oyise. Nabo bonke abaJuda naba seJerusalem ba m lilela uJosia.

25 uJeremia wa m lilela uJosia; nabo bonke abahlalaleli bamadoda na besifazana ba kuluma ngoJosia ekulileni kwabo ku ze ku be namuhla, ba kwenzela indawo eIsraeli; futi, bheka, ku lotyiwe encwadini yezililo.

26 Manjeke ezinye izenzo zika Josia, nokulunga kwake, njengako okwa lotywa emtetweni ka Jehova,

27 Nezenzo zake, ezakuqala nezokugcina, bheka, zi lotyiwe encwadini yamakosi a seIsraeli noJuda.

ISAHLUKO 36.

**A**BANTU bezwe ba m tatake uJehoa-hazi indodana ka Josia, ba menza inkosi eJerusalem endaweni ka yise.

2 uJehoa-hazi wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nantatu, wa busa eJerusalem izinyanga ezintatu.

3 Nenkosi ya sEgipite ya m susa eJerusalem, ya telisa izwe ngamatale-nta a ikulu esiliva na ngetalenta le-glode.

4 Inkosi ya sEgipite ya beka uEliakimu umfo wabo pezu kombuso ka Juda neJerusalem, ya pendula igama lake kuJehoiakimu. uNeko wa tata uJehoa-hazi umfo wabo, wa m yisa Egipite.

5 uJehoiakimu wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nanye: wenza okubi emehlweni ka Jehova uTixo wake.

6 Wa fikelwa uNebukadnezari inkosi yaseBabulona, wa m bopa ngezinsimbi uku m yisa eBabulona.

7 uNebukadnezari wa muka nezitya zendhlu ka Jehova wa zi yisa eBabulona, wa zi beka etempeleni lake eBabulona.

8 Manjeke ezinye izenzo zika Jehoia-kimu, nobubi a benzileyo, no kwa bonakala kuyena, bheka, zi lotyiwe enwadini yamakosi a seIsraeli noJuda: noJehoiakina indodana yake wa busa endaweni yake.

9 uJehoiakina wa qala ukubusa e nminyaka e isishiyagalombili, wa busa eJerusalema izinyanga ezintatu nezinsuku ezi ishumi; wenza okubi emehlweni ka Jehova.

10 Lapo se u pelile umnyaka, ya tuma inkosi uNebukadnezari, ya m leta eBabulona, nezitya ezilungileyo zendhlu ka Jehova, wenza uZedekia umfo wabo inkosi pezu kweJuda neJerusalema.

11 uZedekia wa qala ukubusa e nminyaka e ngamashumi amabili nanye, wa busa eJerusalema iminyaka e ishumi nanye.

12 Wenza okubi emehlweni ka Jehova uTixo wake, a ka zitobisa ngapambi ku-ka Jeremia umprofeti okuluma okomlomo ka Jehova.

13 Wa hlubuka futi kuNebukadnezari inkosi, o wa m fungisa ngoTixo: kodwa wa yenza lukuni intamo yake, nenhli-ziyo yake ekubuyeni kuJehova uTixo ka Israeli.

14 Futi zonke izikulu zabapristi, nabantu, beduka kakulu ngeziningiso zabezize; ba ngcolisa indhlu ka Jehova, a e yenze ngewele eJerusalema.

15 uJehova uTixo wa oyise babo wa e tumela kubona ngezinceku zake, e vuka njalo e tuma; ngokuba wa ba dabukela abantu bake, nendawo yake yokuhlala:

16 Kodwa ba zeyisa izigijimi zika Tixo, ba wa delela amazwi ake, ba hlupa nabaprofeti bake, lwa ze lwa vuka ulaka luka Jehova kubantu bake, a lwa biko nolungiso.

17 Wa ba letela inkosi yamaKaldi, ya bulala izinsizwa zabo ngenkamba endhlini yabo e ingewele, a ka dabukela nansizwa nantombi, naxegu, naye ogobiswe ubudala: wa ba nika bonke esandhlini sake.

18 Nezitya zonke zendhlu ka Tixo, ezikulu nezincane, namagugu endhlu ka Jehova, namagugu enkosi, na wezikulu zake; konke loku wa ku leta eBabulona.

19 Ba i tyisa indhlu ka Tixo, ba wisa nodonga lweJerusalemà, ba tyisa zonke izindhlu zakona ngomlilo, ba bulala zonke izitya ezihle zakona.

20 Nabo aba punyuka kuyo inkemba wa ba yisa eBabulona; ba ba izinceku zake kona, namadodana ake, kwa ze kwa ngena umbuso wePersia:

21 Ukugewalisa izwi lika Jehova ngomlomo ka Jeremia, izwe li ze li jabule ngamasabata alo: ngokuba ekucitakaleni kwalo la dumisa isabata, ukugewalisa iminyaka e ngamashumi a isikombisa.

22 Kwa ti ngomnyaka wokuqala ka Kuresi inkosi ya sePersia, izwi lika Jehova li kulunywa ngomlomo ka Jeremia li gwaliseke, uJehova wa i xukuza inhliziyo ka Kuresi inkosi ya sePersia, ngako wenza isiyalezo kuwo wonke umbuso wake, wa si beka na senewadini, e ti,

23 U ti uKuresi inkosi ya sePersia, uJehova uTixo wezulu u ngi nikile yonke imibuso yomhlaba; naye wa ngi yaleza ukuba ngi makele indhlu eJerusalema eli seJuda. Ubani o kinina kubantu bonke bake na? uJehova uTixo wake ma ka be naye, a kupuke yena.

INCWADI KA

UEZRA.

ISAHLUKO 1.

**N**NGOMNYAKA wokuqala ka Kuresi inkosi ya sePersia, ukuba izwi lika Jehova ngomlomo ka Jeremia li qinise-

seke, uJehova wa vusa inhliziyo ka Kuresi inkosi ya sePersia, wa memezela embusweni wonke wake, na ngokubala, wa ti;

2 U tyo uKuresi inkosi ya sePersia, ukuti; uJehova wa zezulwini u ngi pile imibuso yonke yomhlaba; u ngi yalile ukuba ngi m akele indhlu eJerusalema eli seJudia.

3 Ku kona ubani pakati kwenu wabantu bonke bake na? uTixo wake a ka be naye, a kupukele eJerusalema eli seJudia, ake indhlu ka Jehova uTixo waba Israeli, (uyena uTixo) e seJerusalema.

4 Lowo o sele endaweni lapa e hlezi kona, abantu ba sendaweni yake a ba m size ngesiliva, negolide, nempahla, nezilwane, kanye nomnikelo wesihle wendhlu ka Tixo e seJerusalema.

5 Kona ba suka abakulu ba oyise baka Juda noBenjamini, nabapristi, nabaLevi, kanye nabo bonke, uTixo a be vusile izinhliziyzo zabo ukuba ba kupuke, ba yake indhlu ka Jehova e seJerusalema.

6 Ba ti bonke abakelene nabo ba ba siza ngezitya zesiliva, ngegolide, nge-mpahla na ngezilwane, na ngezinto ezi igugu, ngapandhle kwako konke okwa piwa ngesihle.

7 Njalo inkosi uKuresi ya kipa izitya zendhlu ka Jehova uNebukadnezari a be zi kipile eJerusalema, wa zi beka endhlini yotixo bake.

8 Wa zi kipa uKuresi inkosi ya sePersia, ngesandhla sika Mitredate, umlondi wemali, wa zi balela kuShe-shebazare induna yabaJuda.

9 Loku ku ubiningi bazo; izitya zegolide za ba ezi amashumi amatatu, izitya zesiliva ezi inkulungwane, omesi aba mashumi amabili na shiyagalolunye.

10 Izitya zegolide ezi mashumi matatu, izitya zesiliva zohlobo lwesibili ezi makulu amane neshumi, ezinye izitya ezi inkulungwane.

11 Zonke izitya zegolide nesiliva za zi zinkulungwane ezinhlanu namakulu amane. Zonke lezi wa zi kupula uShe-shebazare kanye naba be tunjiwe a ba kutyulwa eBabulona ukuya eJerusalema.

## ISAHLUKO 2.

**L**ABA ba ngabantwana besizwe aba kupuka ekutelisweni, bona aba be tunjiwe nguNebukadnezari inkosi ya seBabulona, wa ba yisa eBabulona, ba buyela eJerusalema na seJudia, kwa yilowo wa ya enzini wake.

2 Aba fika noZerubabeli; uJeshua, uNehemia, uSeraia, uRelaia, noMordekai, uBilshane, uMizpare, uBigvai, uRe-

hume, noBana. Ukuma kwabantu besizwe sika Israeli.

3 Abantwana baka Paroshe, izinkulungwane ezimbili nekulu namashumi a isikombisa nambili.

4 Abantwana baka Shefeta, amakulu amatatu namashumi a isikombisa nambili.

5 Abantwana baka Ara, amakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu.

6 Abantwana baka Pahatimoabi, abantwana baka Jeshua noJoabi, izinkulungwane ezimbili namakulu a shiyagalolunye neshumi nambili.

7 Abantwana baka Elami, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane.

8 Abantwana baka Zatu, amakulu a shiyagalolunye namashumi amane nesihlanu.

9 Abantwana baka Zakai, amakulu a isikombisa namashumi a isitupa.

10 Abantwana baka Bani, amakulu a isitupa namashumi amane nambili.

11 Abantwana baka Bebai, amakulu a isitupa namashumi amabili nantatu.

12 Abantwana baka Azgade, inkulungwane namakulu amabili namashumi amabili nambili.

13 Abantwana baka Adonikamu, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa.

14 Abantwana baka Bigvai, izinkulungwane ezimbili namashumi a isihlanu nesitupa.

15 Abantwana baka Adine, amakulu amane namashumi a isihlanu nane.

16 Abantwana baka Atere, ka Hezekia, amashumi a shiyagalolunye nashiyagalombili.

17 Abantwana baka Bezai, amakulu amatatu namashumi amabili nantatu.

18 Abantwana baka Jora, ikulu neshumi nambili.

19 Abantwana baka Hashume, amakulu amabili namashumi amabili nantatu.

20 Abantwana baka Gibare, amashumi a shiyagalolunye nesihlanu.

21 Abantwana ba seBetlehem, ikulu, namashumi amabili nantatu.

22 Abantu ba seNetofa, amashumi a isihlanu nesitupa.

23 Abantu ba seAnatoti, ikulu namashumi amabili nashiyagalombili.

24 Abantwana ba seAzmavete, amashumi amane nambili.



25 Abantwana ba seKirjatarimi, neKefira neBerote, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu.

26 Abantwana ba seRama neGaba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye.

27 Abantu ba seMikmasi, ikulu namashumi amabili nambili.

28 Abantu ba seBeteli neAi, amakulu amabili namashumi amabili nantatu.

29 Abantwana ba seNebo, amashumi amahlanu nambili.

30 Abantwana ba seMagbishe, ikulu namashumi a isihlanu nesitupa.

31 Abantwana baka Elami onanye, inkulungwane naniakulu amabili namashumi a isihlanu nane.

32 Abantwana baka Harimo, amakulu amatatu namashumi amabili.

33 Abantwana ba seLodi, neHadidi neOno, amakulu a isikombisa namashumi amabili nesihlanu.

34 Abantwana ba seJeriko, amakulu amatatu namashumi amane nesihlanu.

35 Abantwana ba seSena, izinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa namashumi amatatu.

36 Abapristi; abantwana baka Jedaia abendhlu ka Jeshua, amakulu a shiyagalolunye namashumi a isikombisa nesihlanu.

37 Abantwana baka Imere, inkulungwane namashumi a isihlanu nambili.

38 Abantwana baka Pashure, inkulungwane namakulu amabili namashumi amane nesikombisa.

39 Abantwana baka Harimo, inkulungwane neshumi nesikombisa.

40 AbaLevi; Abantwana baka Jeshua noKadmieli, babantwana baka Hodavia, amashumi a isikombisa nane.

41 Abahlabeleli; abantwana baka Asafa, ikulu namashumi amabili nashiyagalombili.

42 Abantwana babalindiminyango; abantwana baka Shaluma, nabantwana baka Atere, nabantwana baka Talmona, nabantwana baka Akuba, nabantwana baka Hatita, nabantwana baka Shobai, bonke ikulu namashumi amatatu nashiyagalolunye.

43 AbaNetini; abantwana baka Ziha, nabantwana baka Hasufa, nabantwana baka Tabaote.

44 Abantwana baka Kerosi, abantwana baka Siaha, abantwana baka Padona.

45 Abantwana baka Lebana, abantwana baka Hagaba, abantwana baka Akuba,

46 Abantwana baka Hagabe, abantwana baka Shalmai, abantwana baka Hanani.

47 Abantwana baka Gidele, abantwana baka Gahare, abantwana baka Reaya.

48 Abantwana baka Rezina, abantwana baka Nekoda, abantwana baka Gazamu.

49 Abantwana baka Uza, abantwana baka Pasea, abantwana baka Besai.

50 Abantwana baka Asna, abantwana baka Mehunime, abantwana baka Nefusime.

51 Abantwana baka Bakbuki, abantwana baka Hakufa, abantwana baka Harhure.

52 Abantwana baka Bazlute, abantwana baka Mehida, abantwana baka Harosha.

53 Abantwana baka Barkose, abantwana baka Sisera, abantwana baka Tama.

54 Abantwana baka Nezia, abantwana baka Hatifa.

55 Abantwana bezinecku zika Solomona; abantwana baka Sotai, abantwana baka Soferete, abantwana baka Perida.

56 Abantwana baka Jala, abantwana baka Darkona, abantwana baka Gidele.

57 Abantwana baka Shefetia, abantwana baka Hatila, abantwana baka Poherete-zabaimu, abantwana baka Ami.

58 Bonke abanNetini, nabantwana bezinecku zika Solomona ba be ngamakulu amatatu namashumi a shiyagalolunye nambili.

59 Laba ba ngabakupukayo eTelmela, eTelharsa, eKerube, eAdane na seImere; kepa ba be nge nakutyela izindhlu za oyise babo, nokuzalwa kwabo, ukuba ba ngabaka Israeli.

60 Abantwana baka Delaia, abantwana baka Tobia, abantwana baka Nekoda, amakulu a isitupa namashumi a isihlanu nambili.

61 Abantwana babapristi; abantwana baka Habaia, abantwana baka Kozi, abantwana baka Bazilai, owa tabata umfazi ezintombini zika Bazilai, umGiladi, wa bizwa ngegama lazo.

62 Laba ba funa ukubalwa kwabo pakati kwababalwana ngokuzalwa kwabo, kodwa ka ba funyanwanga kona, ba kitywa kubupristi ngokungati babi.

63 Ya ti Inkosi kubo, a ba sa yi kudhla oku ingewele ku ze ku vele umpristi o noUrime noTumime.

64 Se be hlanganisiwe bonke ndawonye ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nambili namakulu amatatu namashumi a isitupa.

65 Ngapandhle kwezisebenzi zabó zesilisa nezesifazana; lezo za zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa; ba be kona kuzo abahlabelelayo besilisa nabesifazana aba ngamakulu amabili.

66 Amahashi abo a be ngamakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa; izimbongolo zabo amakulu amabili namashumi amane nesihlanu.

67 Amakamelo abo a be ngamakulu amane namashumi amatatu nesihlanu; izinjomane zabo za zi izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isikombisa namashumi amabili.

68 Sha ti aba izikulu za oyise ekuzeni kwabo endhlini ka Jehova e seJerusalema, ba nikela indhlu ka Tixo ngesihle ukuba i miswe endaweni yayo.

69 Ba nikela njengamandhla abo endaweni yeminikelo yemisebenzi, amadarike egolide a izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nanye, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezi isihlanu, nezingubo zabapristi ezi ikulu.

70 Njalo abapristi nabaLevi, nabanye abantu, nabahlabeleli, nabalindiminyango, nabaNetini, baka ba hlala emizini yabo, nabaIsraeli bonke ba hlala emizini yabo.

ISAHLUKO 3.

SE ku fikile inyanga yesikombisa, abantwana baka Israeli se be semizini, abantu ba butanela ndawonye eJerusalema.

2 Kona wa suka uJeshua indodana ka Jozadake, nabafo wabo abapristi, noZerubabeli indodana ka Shealtiele nabafo wabo, baka ilati lika Tixo wabo Israeli, ukuba ba nikele pezu kwalo iminikelo yokutya njengokulotyweyo emtetweni ka Mosi umuntu ka Tixo.

3 Ba li misa ilati pezu kwezisekelo zalo; ngokuba ba be nokwesaba ngabantu ba lawomazwe; ba nikela pezu kwalo iminikelo yokutya kuJehova, iminikelo yokutya kusasa nakusihlwa.

4 Ba londa umhlangano wamadokodo njengokubaliweyo, ba nikela iminikelo yokutya imihla ngemihla, ngokubala, njengomteto, into yosuku ngosuku lwayo.

5 Na ngasemva kwaloko, ba nikela umnikelo wokutya wemihla ngemihla,

neyezinyanga ezitwasileyo, neyemihlangano yonke ka Jehova, ehlukanisiweyo, neyabo bonke aba nikela ngesihle iminikelo yesihle kuJehova.

6 Ngosuku lokuqala lwenyanga yesikombisa ba qala ukunikela iminikelo yokutya kuJehova. Kodwa sa si nga ka bekwa isisekelo setempeli lika Jehova.

7 Ba nika ababaza amatye nababaza imiti imali; ba nika aba seZidoni naba seTire ukudhla nokupuza namafuta, ukuba ba tabate imiti yesedare eLebanoni, ba yi yiise elwandhle lwa seJopa, njengokuvuma kuka Kuresi inkosi ya sePersia.

8 Ngomnyaka wesibili wokuza kwabo endhlini ka Tixo eJerusalema, ngenyanga yesibili, ba qala oZerubabeli indodana ka Shealtiele, noJeshua indodana ka Jozadake, nabafo wabo abaseleleyo, abapristi nabaLevi, nabo bonke aba be vela ekutelisweni be za eJerusalema, ba qala ba misa abaLevi, aba neminyaka engamashumi amabili na ngapuzulu, ukuba ba bonise umsebenzi wendhlu yeNkosi.

9 Kwa suka kanye uJeshua namadodana ake, nabafo wabo, noKadmieli namadodana ake, amadodana ka Juda, ukuba ba bonise izisebenzi zendhlu ka Tixo; namadodana ka Henadade, namadodana abo, nabafo wabo abaLevi.

10 Abaki be sa beka isisekelo setempeli lika Jehova, ba misa abapristi, be hlobile, be namatilongo, nabaLevi amadodana ka Asafi, be nezingubu, ukuba ba m dumise uJehova ngemiyalo kaDavida inkosi ya seIsraeli.

11 Ba hlabelela be m dumisa ngokumbonga uJehova; ngokuba e lungile, ngokuba unusa wake u pakade kuba Israeli. Abantu bonke ba hlokoma ukuhlokoma okukulu be sa m dumisa uJehova, ngokubekwa kwesisekelo sendhlu ka Jehova.

12 Kepa abaningi kubapristi nabaLevi naba izikulu za oyise, abadala, a be be bonile indhlu yokuqala, si sa bekwa isisekelo sa lindhlu pambi kwamachlo abo, ba kala ngezwi elikulu, kepa abaningi ba memeza kakulu ngokutokoza.

13 Ba ti abantu ba be nge nakwahlukanisa udumo lokuhlokoma kokutokoza, nodumo lokuhlokoma kokukala kwabantu; ngokuba abantu be hlokoma ngokuhlokoma okukulu, udumo lwezwakala kude.

## ISAHLUKO 4.

**L**APO se zi zwile izita zabaJuda naba-Benjamini ukuti, abatunjwayo be be makela uJehova uTixo wabaIsraeli itempeli;

2 Za se zi za kuZerubabeli na kuzo izikulu za oyise, za ti kuzo; Ma sake nani; ngokuba si konza uTixo wenu njengani; si m hlabela kuqala emihleni ka Esarhadone inkosi ya seAsiria o wa si kupulela lapa.

3 Kodwa uZerubabeli noJeshua nezi-nye izikulu za oyise zika Israeli, za ti kubo, A ni namsebenzi nati ukwakela uTixo wetu indhlu; loku tina sodwa si ya kumakela uJehova uTixo wabaIsraeli, njengokuyala kwenkosi uKuresi, inkosi ya sePersia.

4 Kona abantu ba lelozwe ba ngenisa abantu ba seJudia, ba ba kataza ekwakeni.

5 Ba tola ababacebayo ba ba kokela, ukuba ba cite umcebo wabo, izinsuku zonke zika Kuresi inkosi ya sePersia, kwa za kwa busa uDarisu inkosi ya sePersia.

6 Ekubuseni kuka Ahashveroshe, ekuqaleni kokubusa kwake, ba bala inewadi yokuceba abantu ba seJudia naba seJerusalema.

7 Emihleni ka Artasasta, uBishlamu, noMitredate noTabele, nabanye abahlanganyele naye, ba loba kuArtasasta, inkosi ya sePersia; inewadi ya balwa ngokwaba seSiria ya kumshelwa ngokwaba seSiria.

8 uRehume inkosi yokwahlula, noShimshai umbali, ba bala inewadi kuArtasasta yokuceba aba seJerusalema, yokuti;

9 Ngaleso sikati ba loba oRehume inkosi yokwahlula noShimshai umbali, nabanye abahlanganyele nabo; anaDine, nabaAfarsake, namaTapele, namaAfarese, namaArkeve, naba seBabulona, naba seSusa, namaDehawe namaElami.

10 Neziye izizwe a zi tabatayo uAsnapere omkulu odumileyo, wa ba hlalisa emizini ya seSamaria, nabanye aba nganeno komfula, nokunjalo.

11 Loku ku ukubalwa kwewadi aba i tumayo kuye, kuArtasasta inkosi; Izinceku zako, abantu ba nganeno komfula, nokunjalo.

12 A kwaziwe enkosini ukuti, abajuda aba kupuka kuwe ukuza kitina, se be fikile eJerusalema, ba saka lomuzi ohlubukayo owonakele, se be qedile izindonga, ba lungisile izisekelo.

13 A kwaziwe kaloku enkosini ukuti, uma lomuzi wakiwa, zi pelele izindonga, a ba yi ku nika isitelo, umnikelo nenkoko, njalo u ya kuwona amakosi.

14 Kaloku ngokuba sondhliwe inkosi, na ngokuba ku nga fanele si bone inkosi yoniwa; ngaloku si tuma, si bika enkosini;

15 Ukuba ku hlolwe enwadini yokukumbuza ya oyihlo bako; njalo u ya kufumana enwadini yokukumbuza, wazi ukuti, lomuzi u ngumuzi ohlubukayo, owonayo amakosi namazwe, nokuti benza ukuhlubuka pakati kwawo endulo; ngaloko lomuzi wa eitwa.

16 Si bika enkosini si ti, uma wakiwa lomuzi, zi qedwa izindonga zawo, kona a ku yi kuba nandao nganeno komfula.

17 Kwa ti inkosi ya tuma izwi koRehume inkosi yokwahlula, noShimshai umbali, na kwabanye abahlanganyele nabo aba hlala eSamaria, na kwabanye aba ngapheya komfula, lokuti; Ukubusa, nokunjalo.

18 Inewadi ena i tumayo kitina ya fundwa kahle pambi kwami.

19 Nga memezela umteto, kwa hlolwa, kwa funyanwa, ukuti, lomuzi endulo wa vukela amakosi, kwenziwa ukuhlubuka nokupitizisa pakati kwawo.

20 Kwa ku kona pezu kweJerusalema amakosi a namandhla, a be busa amazwe onke a ngapheya komfula; a piwa inkokelo nomnikelo nesiteliso.

21 A ke ni memezele umteto wokutiya laba bantu, ukuba ku ngakiwa lomuzi, ngi ze ngi memezele umteto.

22 Xwayanike ukuba ni nga puti ngaloku; funa ku kule icala li wone amakosi.

23 Kona, ukubalwa kwewadi ka Artasasta inkosi se ku fundiwe pambi kuka Rehume noShimshai umbali, nabahlanganyele nabo, ba tyetya ba ya eJerusalema kubaJuda, ba ba tiya ngomkono na ngamandhla.

24 Kona kwa nqamuka umsebenzi wendhlu ka Tixo e seJerusalema. Kwa nqamuka kuba za kwa ba umnyaka wesi-bili wokubusa kuka Darisu inkosi ya sePersia.

## ISAHLUKO 5.

**K**WA ti abaprofeti, uHagai umprofeti, noZekeria indodana ka Ido, ba ya ba profeta kubaJuda aba seJudia na seJerusalema, ngegama lika Tixo wabaIsraeli, ku bona.

2 Kona kwa suka uZerubabeli indodana ka Shealtiele, noJeshua indodana ka Jozadake, ba qala ukwaka indhlu ka Tixo e seJerusalema; kwa ba kona nabo abaprofeti baka Tixo be ba siza.

3 Ngaleso sikati kweza kubo uTatnai inkosi e nganeno komfula, noShetarboznai, nabahlanganyele nabo, ba tyo kubo, ukuti, Kwa menyezelwa ubani kinina ukwaka lendhlu nokuqeda lolu donga?

4 Kona sa tyo kubo ukuti; Obani amagama abantu aba yaka lendhlu?

5 Kodwa iso lika Tixo wabo be li pezu kwamalunga abaJuda, ba be nga ba tiyile, kwa za kwa fika leyondaba kuDarisu; kona ba pendula ngenewadi ngaleyonto.

6 Ukubalwa kwengewadi aba i tumayo kuDarisu inkosi, uTatnai inkosi e nganeno komfula, noShetarboznai nabahlanganyele naye, abaAfarsake aba nganeno komfula;

7 Ba tuma inewadi kuye, okwa lotywa kuyo ngokuti; A ku be ukutula konke kuDarisu.

8 A kwaziwe enkosini ukuti, sa ya ezweni la seJudia, endhlini ka Tixo omkulu; yakiwa ngamatye amakulu, imiti i fakwa ezindongeni; ku setyenzwa ngokukutala lomsebenzi, u ya lunga ezandhlini zabo.

9 Kona sa buza lawa malunga, sa tya kuwo ukuti, Kwa menyezelwa ubani kinina umteto, ukuba nake leyondhlu, ni qede lezi zindonga?

10 Sa ba buza namagama abo, ukuba si ku tyele, ukuba si bale amagama abantu aba izikulu kubo.

11 Ba si pendula ngokuti, Si izinceku zika Tixo wa sezulwini na semhlabeni, si yaka indhlu eyakiwa ngapambili leminyaka eminyingqi, ya yaka ya i qeda inkosi enkulu yabaIsraeli.

12 Kepa obaba betu se be m tukuteli-sile uTixo wa sezulwini, wa ba nikela esandhlini sika Nebubukadnezari inkosi ya seBabulona, umKaldi, wa i eita leyondhlu, wa ba tumba, wa ba yisa abantu eBabulona.

13 Kodwa ngomnyaka wokuqala ka Kuresi inkosi ya seBabulona, uKuresi inkosi wa memezela umteto wokuba kwakiwe lendhlu ka Tixo.

14 Futi izitya zegolide nezesehliva zendhlu ka Tixo, e za kitywa uNebukadnezari etempeleni eli seJerusalema, wa zi yisa etempeleni la seBabulona, lezo

uKuresi inkosi wa zi kipa etempeleni la seBabulona, wa zi nika komunye ogama lake li nguSheshebazare, a be m bekile induna.

15 Wa ti kuye, Tabata lezi zitya, u ye, u zi yise etempeleni eli seJerusalema, indhlu ka Tixo ma yakiwe endaweni yayo.

16 Kona wa fika uSheshebazare lowo, wa beka isisekelo sendhlu ka Tixo e seJerusalema; ya i sakiwa iloku ku ze ku be manje, kepa a i ka peleli.

17 Uma ku lungile enkosini a ke ku hlolwe endhlini yemfuyo yenkosi, e kona eBabulona, ukuba kwa menyezelwa umteto uKuresi inkosi wokuba kwakiwe lendhlu ka Tixo e seJerusalema, inkosi ma i tume kitina intando yayo nga lomsebenzi.

#### ISAHLUKO 6.

**K**ONA uDarisu inkosi wa misa umteto, kwa hlolwa endhlini yezinewadi lapo kwa bekelelwa kona imfuyo eBabulona.

2 Kwa funyanwa eAkmeta esigodhlweni oku sezweni la seMedia, inewadi okwa lotywa kuyo isikumbuzo sokuti;

3 Ngomnyaka wokuqala ka Kuresi inkosi, lowo uKuresi inkosi, wa misa umteto ngendhlu ka Tixo eJerusalema ngokuti; Ma kwakiwe indhlu, lapa kwa nikelwa kona iminikelo, zi bekwe izisekelo zayo, ubude bayo pezulu bu be amakubiti a ngamashumi a isitupa; ububanzi bayo amakubiti a ngamashumi a isitupa;

4 A ku be izindwendwe ezintatu zamatyem amakulu, nodwendwe lunye lwemiti emitya; a ku nikwe inkokelo e vela endhlini yenkosi;

5 Futi izitya zegolide nesiliva uNebukadnezari a zi kipa etempeleni eli seJerusalema, wa zi yisa eBabulona, ma zi buyiselwe, zi yiswe etempeleni eli seJerusalema, ku be ileso endaweni yaso, zi bekwe endhlini ka Tixo.

6 Ngaloku, Tatnai, induna e pesheya komfula, noShetarboznai, nani abahlanganyele nabo abaAfarsake, aba pesheya komfula, a ni be kude lapo.

7 Ni yeke umsebenzi wa lendhlu ka Tixo; induna yabaJuda namalunga abaJuda ma ba yake lendhlu ka Tixo endaweni yayo.

8 Ngi memezela umteto ngaloku eni ya kukwenza kulawa malunga abaJuda,

ukuba kwakiwe lendhlu ka Tixo, a ku nikwe kulaba bantu manje inkokelo i vela kuyo imfuyo yenkosi, e isitelo sa ngapheya komfula, ukuba ba nga tiywa.

9 Naloko okufunwayo, izinkabi ezintya, nezingama, nanaundhlu, ku be iminikelo yokutya ka Tixo wa sezulwini, nokolweni, uosaoti, newaini, nama-futa, njengokutyo kwabapristi aba seJerusalem, ma ba ku piwe imihla ngemihla, ku nga puti ;

10 Ukuba ba nikele iminikelo e nolwasi ku Tixo wa sezulwini, ba kulekele ukupila kwenkosi namadodana ayo.

11 Ngi memezela umteto wokuti ; lomuntu o za kupendulela lelizwi, umuti ma u kitywe endhlini yake, a panyekwe, a betelwe kuwo; indhlu yake ma yenziwe i be indawo yezibi ngenxa yaloku.

12 uTixo o hlalisile igama lake kona, ma a wise amakosi onke nabantu aba ya kubeka isandhla ukuipendulela nokucita leyondhlu ka Tixo e seJerusalem. Mina Darisu, ngi memezele umteto, a kwenziwe masinyane.

13 Kona uPatnai induna e nganeno komfula, noShetaboznai, nabahlanganye nabo; benza masinyane njengokutunywa uDarisu inkosi.

14 Amalunga abaJuda aka, a busa ngokuprofeta kuka Hagai, umprofeti, noZekeria indodana ka Ido. Baka, ba qeda, ngomteto ka Tixo wabaIsraeli, na ngomteto ka Kuresi, noDarisu, noArtasasta inkosi ya sePersia.

15 Leyondhlu ya qedwa ngosuku lwe-sitatu lwenyanga uAdare, oku ngomnyaka wesitupa wokubusa kuka Darisu inkosi.

16 Ba ti abantwana baka Israeli, nabapristi, nabaLevi, nabanye abatunjiweyo ba londa ukwahlukanisa kwa lendhlu ka Tixo, be tokoza.

17 Ekwahlukaniseni kwa lendhlu ka Tixo, ba nikela izinkabi ezi ikulu, nezingama ezi ngamakulu amabili, namaundhlu a ngamakulu amane; ku be umnikelo wezono ngabaIsraeli bonke, kwa nikelwa izimpongo zezimbuzi ezi ishumi nambili, ngokuma kwezizwe za-baIsraeli.

18 Ba misa abapristi ngezahlukaniso zabo, nabaLevi ngokuhlelwa kwabo, ba be senkonzweni ka Tixo e seJerusalem; njengokubaliweyo enewadini ka Mosi.

19 Izitunjwa za londa ipasika ngo-

suku lweshumi nane lwenyanga yokuqala.

20 Ngokuba abapristi nabaLevi ba zihlambulula kanye, bonke ba be hlambululekile, ba hlaba ipasika, ba zihlabela, bona nabatunjiweyo bonke, nabapristi abafu wabo.

21 Ba ti abantwana baka Israeti, aba be buyile ekutelisweni, nabo bonke aba be shiyile imikuba emibi yezizwe za lelozwe ba hlanguka nabo, ukuba ba m konze uJehova uTixo wabaIsraeli ba dhla,

22 Ba londa umhlangano wesinkwa e si nge nambiliso, izinsuku ezi isikombisa, be tokoza; ngokuba uJehova wa e ba tokozisile, wa i guqulela inhliziyo yenkosi ya seAsiria kubona, ukuba ku qiniswe izandhla zabo emisebenzini yendhlu ka Tixo wabaIsraeli.

## ISAHLUKO 7.

**K**WA ti emva kwaloku, ekubuseni ku-ka Artasasta inkosi ya sePersia, uEzra indodana ka Seraia, indodana ka Azaria, indodana ka Hilkia.

2 Indodana ka Shaluma, indodana ka Zadoki, indodana ka Ahitubi.

3 Indodana ka Amaria, indodana ka Azaria, indodana ka Meraioti.

4 Indodana ka Zerahia, indodana ka Uzi, indodana ka Buki.

5 Indodana ka Abishua, indodana ka Finehasi, indodana ka Elezari, indodana ka Aroni umpristi omkulu;

6 uEzra lowo wa kupuka eBabulona; wa e umbali o hlakanipileyo emtsetweni ka Mosi, a u nikiweyo nguJehova uTixo wabaIsraeli; inkosi ya m nika konke a ku celayo, si se pezu kwake isandhla sika Jehova uTixo wake.

7 Kwa kupuka aba kubantwana baka-Israeli, nabapristi, nabaLevi, nabahlabeleli, nabalandiminyango, nabaNetini, ba ya eJerusalem ngomnyaka wesikombisa ka Artasasta inkosi.

8 Weza eJerusalem ngenyanga yesitupa, oku ngowomnyaka wesikombisa wenkosi.

9 Ngokuba ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala, wa qala ukukupuka eBabulona, na ngosuku lokuqala lwenyanga yesihlanu, wa fika eJerusalem, si se pezu kwake isandhla esilungileyo sika Tixo wake.

10 Ngokuba uEzra wa be e i bekile inhliziyo yake ukufuna umteto ka Jehova, nokuwenza, nokufundisa kubaIsraeli izimiso nemiyalo.

11 Loku ku ukubalwa kwenewadi, inkosi uArtasasta ya i nika kuEzra umpristi, umbali, umbali wamazwi emiyalo kaJehova, nowezimiso zake kuba-Israeli.

12 uArtasasta inkosi yamakosi, ku-Ezra umpristi, umbali womteto ka Tixo wa sezulwini, o peleleyo, nokunjalo.

13 Ngi memezele umteto wokuba bonke embusweni wami kubantu bakwa-Israeli, nabapristi babo, nabaLevi abatanda ukuya eJerusalema, ba hambe nawe.

14 Loku u tunywa inkosi nompakati wayo aba isikonubisa, ukubuya indaba ya seJudia ne ya seJerusalema, ngomteto ka Tixo wako o nawo;

15 Nokuyisa isiliva negolide, inkosi nompakati aba li nikele ngesihle ku-Tixo wabaIsraeli, ondhlu yake i seJerusalema,

16 Nalo lonke isiliva negolide o nga li fumana ezweni lonke la seBabulona, kanye nomnikelo wesihle wabantu nabapristi, aba nikelayo ngesihle indhlu ka Tixo e seJerusalema;

17 Ukuba u tyetye u tenge nga lemali izinkabi, nezinqama, namaundhlu neminikelo yokudhla yazo, neminikelo yokupuzza yazo, u ku nikela elatini lendhlu ka Tixo wako e seJerusalema.

18 Loko okuhle kuwe na kubafu wenu ukwenza ngelinye isiliva negolide eliseleyo, a ke ni kwenze ngokwentando ka Tixo wenu.

19 Izitya o zi nikelwe umsebenzi wendhlu ka Tixo wako, zi buyisele paubi kuka Tixo wa seJerusalema.

20 Okunye o ku swelekileyo endhlini ka Tixo wako, oku fanele ukunika, ku nike okwasendhlini yemfuyo yenkosi.

21 Mina Artasasta inkosi, ngi memezele umteto kinina nonke abalonda imfuyo e nga pesheya komfula, wokuba konke, uEzra umpristi, umbali womteto ka Tixo wa sezulwini, a za ku kubiza kinina, a kwenziwe masinyane.

22 Ku be amatalanta esiliva a ikulu, namakore okolweni a ikulu, namabate ewaini, a ikulu, namabate amafuta a ikulu, nosaoti o ngabalwayo.

23 Konke oku memezelwa uTixo wa sezulwini a kwenzelwe indhlu ka Tixo wa sezulwini ngokukutala, funa ulaku lu yukele umbuso wenkosi namadodana ayo.

24 Si ya nazisa ukuti; abapristi naba-

Levi, nabahlabeleli, nabalindiminyango, nabaNetini, nabakonzi ba lendhlu ka Tixo, a ku vunyelwa ukumtelisa namunye kubo inkokelo, nomnikelo, nesiteliso.

25 Wena Ezra, ngokuhlakanipa kuka Tixo wako, o nako, nisa izinduna, nabahluli aba za kwahlula abantu bonke aba ngapesheya komfula, bonke aba yazi imiteto ka Tixo wako; u ba fundise abangayaziyo.

26 Lowo o nga yi kuwenza umteto ka Tixo wako; nomteto wenkosi, ma a lahliwe masinyane, noma ku be ukubulawa, noma ukuxotywa, noma ukudhliwa imfuyo yake, noma ukubotywa.

27 A ka busiswe uJehova uTixo wa obaba betu o ku bekileyo okunjalo enhliziyweni yenkosi ukuba a yenze i bukeke indhlu ka Jehova e seJerusalema.

28 Wa ngi zuzela umusa pambi wenkosi nompakati wayo, na pambi kwezikulu zonke zenkosi ezi namandhla. Nga qiniswa si se pezu kwami isandhla sika Jehova uTixo wami, nga buta izikulu kubaIsraeli, ukuba zi kupuke nami.

#### ISAHLUKO 8.

**L**ABA ba izikulu za oyise babo, ukubalwa kwabo ngokuzalwa, abakupuka nami eBabulona, ekubuseni kuka Artasasta inkosi.

2 Kumadodana ka Finehasi; uGershom; kumadodana ka Itamari; uDanyeli; kumadodana ka Davida; uHatushe.

3 Kumadodana ka Shekenia, kumadodana ka Paroshe; uZekeria; kanye naye kwa balwa, ngokuzalwa abesilisa abakulu namashumi amahlanu.

4 Kumadodana ka Pahatmoabi; uElihoenai, indodana ka Zerachia, kanye naye abesilisa aba ngamakulu amabili.

5 Kumadodana ka Shekania; indodana ka Jahazieli, kanye naye abesilisa aba makulu amatatu.

6 Kumadodana ka Adine; uEhedi indodana ka Jonatani, kanye naye abesilisa aba mashumi amahlanu.

7 Na kumadodana ka Elami; uJeshaja indodana ka Atalia, kanye naye abesilisa aba mashumi a isikombisa.

8 Na kumadodana ka Shefeta, uZebedia indodana ka Mikaeli; kanye naye abesilisa aba mashumi a shiyangalombili.

9 Kumadodana ka Joabi, uObadia indodana ka Jehieli, kanye naye abesi-

lisa aba makulu amabili neshumi nashiyangalombili.

10 Na kumadodana ka Shelomite; indodana ka Josifia, kanye naye abesilisa aba ikulu namashumi a isitupa.

11 Kumadodana ka Bebai; uZekeria indodana ka Bebai kanye naye abesilisa aba mashumi amabili nashiyangalombili.

12 Na kumadodana ka Azgade; uJohanani indodana ka Hakatane, kanye naye abesilisa aba ikulu neshumi.

13 Na kumadodana okupela ka Adonikamu, amagama awo i lawa; uElifeleti, noJehili, noShemia, kanye nabo abesilisa aba mashumi a isitupa.

14 Na kumadodana ka Bigvai; uTai, noZabude, kanye nabo abesilisa aba mashumi a isikombisa.

15 Nga ba butela emfuleni o ya eHava; sa hlala kona ematenteni izinsuku ezintatu; nga suka nga buka abantu nabapristi, ka ngi fumananga namunye kumadodana ka Levi.

16 Nga tuma nga m biza uEliezeri, noArieli, noShemaia, noElnatani, noJaribi, noElnatani; noNatani, noZekeria, noMeshulamu, aba izikulu; noJoyaribe, noElnatani, abaqondileyo.

17 Nga ba tumela nezwi kuIdo o isikulu endaweni e iKasifia, nga ba nika amazwi ukuba ba wa kulume kuIdo, nabafo wabo abaNatani, endaweni e iKasifia, ukuba ba si zisele abakonzi bendhlu ka Tixo wetu.

18 Si se pezu kwetu isandhla esilungileyo sika Tixo, ba si zisela umuntu oqondileyo, kumadodana ka Mali, indodana ka Levi, indodana ka Israeli; noSherebia, kanye namadodana ake, nabafo wabo aba ishumi nashiyangalombili.

19 NoHashabia, kanye noJeshaya kumadodana ka Merari, nabafo wabo, namadodana abo aba mashumi amabili.

20 Na kubaNetini, uDavida nezinduna eza ba misela inkonzo yabaLevi, abaNatani aba makulu amabili namashumi amabili; bonke ba bizwa ngamagama.

21 Nga ya nga memezela ukuzila ukudhla kona emfuleni okutiwa iHava, ukuba si zitobele pambi kuka Tixo wetu, si fune kuye indhlela e qondayo, si zifunele tina, nabantwana betu, nemfuyo yonke.

22 Ngokuba be ngi namahloni ukucela enkosini amabuto nabamashashi, ukuba ba si geine eziteni endhleleni; ngokuba be si tyilo enkosini ukuti; Isandhla sika

Tixo wetu si pezu kwabo bonke abamfunayo, ku be kuhle; kodwa amandhla ake, nolaka lwake lu kubo bonke abamshiyayo.

23 Njalo sa zila ukudhla, sa kulekela loku kuTixo; wa si zwa.

24 Nga kethu izikulu zabapristi ezi ishumi nambili, uSherebia, noHashabia, nabafo wabo aba ishumi.

25 Nga linganisela kubona isiliva, negolide, nezitya, umnikelo wendhlu ka Tixo wetu owa nikelwa inkosi nonipakati wayo, nezikulu zayo, nabaIsraeli bonke aba be kona.

26 Nga linganisela esandhleni sabo isiliva amatalenta amakulu a isitupa namashumi a isihlanu, nezitya zesiliva amatalenta a ikulu, negolide amatalenta a ikulu.

27 Nemyengele yegolide, e ngamashumi mabili e ngamadarike a inkulungwane; nezitya ezimbili zetusi elikazimulayo, elihle njengegolide.

28 Nga ti kubo, Nina ni ngewele kuJehova; nezitya zi ngewele; isiliva negolide li umnikelo wesihle kuJehova uTixo wa oyihlo benu.

29 Lindani ni zi londolozwe ni ze ni zi linganise pambi kwezikulu zabapristi nabaLevi, nezikulu za oyise kubaIsraeli, eJeruselema emagumbini endhlu ka Jehova.

30 Abapristi nabaLevi, bamkela isiliva, negolide, nezitya, zi linganiswa ukuba ba zi yise eJeruselema endhlini ka Tixo wetu.

31 Se suka emfuleni eHava ngosuku lweshumi nambili lwenyanga yokuqala, ukuba si ye eJeruselema; isandhla sika Tixo sa ba pezu kwetu, wa si sindisa esandhleni sesita, na kwabaqapelayo endhleleni.

32 Sa fika eJeruselema, sa hlala kona izinsuku ezintatu.

33 Ngosuku lwesine, kwa linganiswa isiliva, negolide, nezitya, endhlini ka Tixo wetu, ngesandhla sika Meremote indodana ka Uria unpriesti; wa e naye uEleazari indodana ka Finehasi; ba be nabo uJozebade, indodana ka Jeshua, noNoadia indodana ka Binui, abaLevi;

34 Ngokubalwa na ngokulinganiswa kwazo zonke; kwa lotywa ukulinganiswa konke ngaleso sikati.

35 Abatunjwayo aba vela kwabapangwayo ba nikela imnikelo yokutya kuTixo wabaIsraeli, iziukabi ezi ishumi nambili, ngabaIsraeli bonke, nezinqama

ezi mashumi a shiyagalolunye, nesitupa, namaundhlu amashumi a isikombisa nesikombisa, izimpongo zomnikelo wezono, ezi ishumi nambili; konke loku kwa ba umnikelo wokutya kuJehova.

36 Ba nika imiteto yenkosi kuzo izinduna zenkosi ezinkulu, nezinduna za nganeno komfula, ba quba abantu kanye nendhlu ka Tixo.

### ISAHLUKO 9.

**S**E zi pelile lezi zinto, kwe za kimi izi-kulu za ti; Abantu baka Israeli, nabapristi nabaLevi, ka bahlukani nabantu ba semazweni, ba hamba ngemikuba yabo emibi, yamaKananani, nabaHiti, namaPerizi, namaJebusi, nabaAmori, nabaMoabi, nabaEgipite, namaAmori.

2 Ngokuba be zitabatele, bona namadodana abo, amantombazana abo, a be ngomkabo, i ti inzalo engewele i xubene nabantu ba semazweni; yebo, isandhla sezikulu namakosi si dhlule esonweni lesa.

3 Ku te ngi se zwa lendaba, nga hxe-bula isivato sami nengubo yami, nga zi hlutula izinwele zekanda lami, nesilevu sami, nga hlala pansu ngi manglele.

4 Kwa butanela kimi bonke aba tumela ngamazwi ka Tixo wabaIsraeli ngokona kwabatunjiweyo; nga hlala ngi manglele kwa za kwa ba isikati somnikelo wokuhlwa.

5 Ngesikati somnikelo wakusihlwa nga suka ekuzileni kwami; se ngi hxe-bulile isivato sami nengubo yami, nga guqa ngamadolo ami, nga zolula izandhla zami kuJehova uTixo wami.

6 Nga ti, Tixo wami, ngi jabile, ngi nezinhloni ukuba ngi pakamisele ubuso bami kuwe, Tixo wami; ngokuba izono zetu zandile ngapezu kwamakanda etu, namaeala etu a kulile a ze a fika ezulwini.

7 Ku suka ezinsukwini za obaba, ku ze ku be namhla, si nesono esikulu; ngamacala etu, sa nikelwa, tina, namakosi etu, nabapristi betu, esandhleni samakosi a semazweni, ezinkembeni, ekutunjweni, na sekupangweni, na sekujabeni njengokuba ku njalo na namhla.

8 Kepa kaloku ngesikatyana u kona umusa o vela kuJehova uTixo wetu ukusishiyela abasiudileyo, nokusinika isipikili endaweni engewele yake, ukuba uTixo wetu a kanyise amehlo etu, a si nike ukupila oku incozana ekubotyweni kwetu.

9 Ngokuba sa si izigqili, kepa uTixo wetu ka si shiyanga ekubotyweni, kepa u si zuzele umusa pambi kwamakosi a sePersia, ukuba a si nike ukupila si vuse indhlu ka Tixo wetu, si mise ukucitakala kwayo, a si nike udonga eJudia na seJerusalema.

10 Se si ya kutini, Tixo wetu, emva kwaloku; loku si shiyile imiyalo yako?

11 Owa i yalayo ngezineeku zako abaprofeti, wa ti; Lelizwe eni ya kulo ukulifuya, li izwe elingolileyo, li nokungcola kwabantu, ba semazweni, li nemikuba yabo emibi e li gewalisileyo, ngokungeola kwabo, kwa qala komunye umkaulo, kwa za kwa fika komunye.

12 Ma ni nga niki amantombazana enu kumadodana abo, njalo amadodana enu ni nga wa tabateli amatombazana abo, ni nga funi ukutula kwabo nenhlahlala yabo, ku ze ku be nini, ukuba ni be namandhla, ni dhle ubuhle bezwe ni li shiye, li be ifa labantwana benu ku ze ku be nini.

13 Ngasemva kwako konke oku fikile pezu kwetu ngemisebenzi yetu emibi, na ngecala letu elikulu, loku, wena, Tixo wetu, u si hlaulisile okuncane ku nezono zetu, wa si pa ukusinda okungaka;

14 Si nga buya si yapule imiyalo yako, si ganane nabantu ba lemikuba emibi na? nga u nga tukuteli nati, u ze u si qede, ku be ku nga bi ko nosalayo nosindayo na?

15 Jehova, Tixo wabaIsraeli, u lungile wena, kepa si sele, si sindile, njengokuba ku njalo namhla; bhleka, si pambi kwako, si nezono zetu; kepa a ku ko ukuma pambi kwako ngaloku.

### ISAHLUKO 10.

**E**SE kulekile uEzra, se e bikile, e kala e zibukuzisa pambi kwendhlu ka Tixo, kwa butanela kuye aba kuba-Israeli, ibandhla elikulu kakulu lamadoda nabafazi nabantwana; ngokuba abantu ba be kala kakulu.

2 Kwa suka uShekania indodana ka Jehieli wa kumadodana ka Elami, wa pendula wa ti, kuEzra, Sonile kuTixo, si tabatile abafazi abangaziwayo kubantu ba semizini; kepa li kona itemba kubalraeli ngalento.

3 A ke senze isivumelwano noTixo wetu sokuba ku mukiswe abafazi bonke, nabazelwe ibo, ngecebo lenkosi yami, nabatutumela ngomyalo ka Tixo wetu; a kwenziwe ugomiteto.



4 A ku suke; ngokuba lendaba e yako, tina si ya kuba nawe; qinisa u be nesibindi u kwenze.

5 Wa suka uEzra wa fungisa izikulu zabapristi, nabaLevi, nabaIsraeli bonke, ukuba benze njenga lelizwi. Ba funga.

6 Wa suka uEzra ngapambi kwendhlu ka Tixo, wa ya endhlini ka Johanani indodana ka Eliashibe; e se fikile kona, ka dhlanga ukudhla, ka puzanga amanzi; ngokuba wa e kala ngokona kwabatunjiweyo.

7 Ba memezela umteto eJudia na seJerusalem, kuba bonke abatunjiweyo ukuba ba butanele eJerusalem.

8 Nokuba lowo o nga fikiyo ngezinsuku ezintatu, njengecebo lezikulu namalunga, ka dhliwe yonke imfuyo yake, a kitywe yena ebandhleni labempango.

9 Ba butanela eJerusalem abantu bonke baka Juda noBenjamini, ngezinsuku ezintatu. Kwa ku inyanga yesishiyagalolunye, usuku lwamashumi amabili lwenyanga. Bonke abantu ba hlala esihonqeni sendhlu ka Tixo, be tutumela nga lento na ngemvula enkulu.

10 Wa suka uEzra umpristi, wa ti, Nonile, ni tabatile abafazi bezizwe, ukuze kwande ukona kwabaIsraeli.

11 A ke ni bike kuJehova uTixo wa oyihlo benu, ni yenze intando yake; nahlukane nabantu ba sezweni, nabafazi bezizwe.

12 Kwa pendula ibandhla lonke, la ti ngezwi elikulu, Nga senza njengokutyo kwako.

13 Kodwa abantu baningi, se ku isikati semvula; a si namandhla okuma ngapandhle; lomsebenzi a siwo owosuku lunye, nowezimbili; ngokuba si vamble ukona nga lento.

14 A ke zi me izikulu zetu zebandhla lonke, bonke aba semizini yetu abatabatileyo abafazi bezizwe, a be ze ngezikati ezimisiiweyo, be ze namalunga emizi ngemizi, nabahluli bayo, lu ze lu bohle ulaka oluvutayo luka Tixo ngaloku.

15 uJonatani indodana ka Asabeli, noJahazia indodana ka Tikva, ba i mela lendaba, kupela; kepa ba sizwa uMeshulamu noShabetai umLevi.

16 Benza njalo abatunjiweyo. Kwa ketwa uEzra umpristi, nabantu aba izikulu za oyise, abendhlu ya oyise babo, bonke ngamagama abo, ba hlala ngosuku lokuqala lwenyanga yeshumi, ukuba ba i penye lendaba.

17 Ba i qeda indaba yabantu bonke a ba be tabatile abafazi e be be nga bezizwe, ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala.

18 Kwa funyanwa pakati kwamadodana abapristi a be be tabatile abafazi bezizwe; kumadodana ka Jeshua, indodana ka Jozadake, nabafo wabo; uMaseia, uEliezari, noJaribi, noGedalia.

19 Ba nika izandhla zabo, ba ti ba za ku mukisa abafazi babo; loku ba be necala, ba nikela inqama yonhlambi, ngecala labo.

20 Na kuwo amadodana ka Imere; uHanani noZebadia.

21 Na kuwo amadodana ka Harimo; uMaseia, noElija, noShemaia, noJehieli, noUzia.

22 Na kuwo amadodana ka Pashure; uElionenai, uMaseia, uIshmaeli, uNataneli, uJozabade noElasa.

23 Na kumadodana abaLevi; uJozabade, noShimi, noKelaia, onguKelita, uPetahia, uJuda noEliezari.

24 Na kubahlabeleli; uEliashibe, na kwabalindiminyango; uShaluma, noTelenu, noUri.

25 Na kubo abaIsraeli; kuwo amadodana ka Paroshe; uRamia noJezia, noMalkia, noMijamini, noEleazari, noMalakija, noBenaia.

26 Na kumadodana ka Elami, uMatania, uZekeria, noJehieli, noAbdi, noJeremote, noElia.

27 Na kumadodana ka Zatu; uElionenai, uEliashibe, uMatania, noJeremote, noZabadi, noAziza.

28 Kumadodana ka Bebai; uJehohanani, uHanania, uZabai, noAtlai.

29 Na kumadodana ka Bani; uMeshulam, uMaluki, noAdaia, uJashube, noSheale, noRamoti.

30 Na kumadodana ka Pahatimoabi; uAdna noKelale, uBenaia, uMaseia, uMatania, uBezaleli, noBinui, noManasa.

31 Na kumadodana ka Harimo; uElieza, uIshija, uMalkia, uShemaia, uShimeoni.

32 uBenjamini, uMaluki, noShemaria.

33 Kumadodana ka Hashume; uMatenai, uMataba, uZabadi, uElifaleti, uJeremai, uManasa, noShimi.

34 Kumadodana ka Bani; uMadai, uAmramu noMele.

35 uBenaia, uBedeia, uKelu.

36 uVania, uMeremote, uEliashibe.

37 uMatania, uMatenai, noJasau.

38 NoBani, noBunui, noShimei.

39 NoShelemia, noNatani, noAdaia.  
 40 uMaknadebai, uShashai, uSharai.  
 41 uAzareli, noShelemia, uShemaria,  
 42 uShaluma, uAmaria, noJosefa.  
 43 Kuwo amadodana ka Nebo; uJehi-

eli, uMatitia, uZabadi, uZebina, uJadau,  
 noJoeli, uBenaja.

44 Laba bonke ba be tabatile abafazi  
 bezizwe; abanye kubo ba be nabafazi, a  
 be be zalelwe abantwana ibo.

INCWADI KA

NEHEMIA.

ISAHLUKO 1.

**A**MAZWI ka Nehemia indodana ka  
 Hakalia. Kwa ti ngenyanga uKisleu,  
 ngomnyaka wamashumi amabili, loku  
 nga ngi kona eShushani esigodhlweni,

2 Weza uHanani, omunye kwa ba kiti  
 yena nabantu ba kwa Juda; Nga ba bu-  
 za ngabaJuda abasindileyo a ba be sele  
 kwabatunjwayo, na ngalo iJerusalema.

3 Ba ti kimi, abaseleyo aba sala kwa-  
 batunjwayo kona ezweni, ba sekuhlupе-  
 keni okukulu nasehlazweni futi nodo-  
 nga lwa seJerusalema lu bihlikile, na-  
 masango alo a tyiswe umlilo.

4 Kwa ti lapo ngezwa lamazwi nga  
 hlala pansu, nga kala izinyembezi nga  
 dabuka kuleyo mihla nga zila ukudhla  
 nga kuleka pambi kuka Tixo wa sezu-  
 lwini,

5 Nga ti ngi ya nxusa, Jehova, Tixo  
 wa sezulwini, Tixo omkulu o sabekayo,  
 o geinako isiyumelwano nomusa kwaba-  
 mtandayo naba geinayo imiyalo yake:

6 Indhlebe yako ma i lalele amehlo  
 ako ma a bheke, ukuze u zwe ukukule-  
 ka kwenceku yako e ngi ku kuleka pa-  
 mbi kwako kaloku uje, imini nobusuku,  
 ngabantwana baka Israeli, izinceku za-  
 ko, ngi bike izonozabo abantwana baka  
 Israeli, e si zone kuwe: mina kanye ne-  
 ndhlu ka baba sonile.

7 Tina senzile kabi impela kuwena a  
 si geinanga imiyalo, nezimiso, nemiteto  
 e ya ku yalayo inceku yako uMosi.

8 A ku kumbule ngi ya nxusa, izwi o  
 wa li yala inceku yako uMosi wa ti uma  
 nana, ngo ni cita pakati kwezizwe:

9 Kepa uma ni ya penduka, ni ze kimi  
 ni geine imiyalo yami, ni yenze; noku-  
 ba be kona a ba kini abaeitekileyo eku-  
 geneni kwezulu, ngi ya kubabuta kona,  
 ngi ba lete kulendawo e ngi yi ketile  
 ukubeka kona igama lami.

10 Ngako pela lezi zi izinceku zako,  
 abantu bako, o wa ba kululayo ngama-  
 ndhla ako amakulu, na ngesandhla sako  
 esiqinileyo.

11 Nkosi ngi ya kunxusa, indhlebe  
 yako ma i zwe ukukuleka kwenceku  
 yako, nokukuleka kwezinceku zako, ezi  
 nenhliziyo yokwesaba igama lako: u yi  
 busise, ngi ya kunxusa, inceku yako  
 namhlanje, u yenze lendoda i yi beke  
 ngonusa. Ngoba nga ngi ngopatayo  
 isitya senkosi.

ISAHLUKO 2.

**K**WA ti ngenyanga uNisana ngo-  
 mnyaka wamashumi amabili ka  
 Artasasta inkosi, iwaini la li pambi  
 kwake: nga tata iwaini, nga li nika  
 inkosi. Nga ngi kade ngi dabukile ngi  
 pambi kwayo.

2 Ngako inkosi ya ti kimi, Ubuso ba-  
 ko bu nyukumaleleni na? loku a u  
 guli? loku ku ubuhlungu benhliziyo  
 kupela. Kona ngesaba kakulu.

3 Nga ti enkosini, Inkosi ma i me  
 njalo: ku nani ukuba ubuso bami bu  
 nyukumele loku umuzi o indawo yezi-  
 ngewaba za okoko bami, u citekile, na-  
 masango awo a tyiswa ngomlilo?

4 Lapo inkosi ya ti kimi, U celani na?  
 Njalo nga kuleka kuTixo wa sezu-  
 lwini.

5 Nga ti enkosini, Uma inkosi i ta-  
 nda, uma ineeuku yako i tolile umusa  
 emehlweni ako, ma u ngi tume ngi ye  
 kwaJuda, emuzini wezingewaba za oko-  
 ko bami, ukuba ngi wake.

6 Inkosi ya ti kimi, inkosikazi ya i  
 hlezi ecaleni kwayo. U ya kuhamba  
 isikati esingakanani na? U ya kubuya  
 nini na? Njaloke kwaba kuhle enko-  
 sini uku ngi tuma: nga yi nqumela isi-  
 kati esitile.

7 Futi nga ti enkosini, Uma ku kuhle enkosini ma ngi nikwe izinewadi zi ye kwababusayo ngapesheya komfula ukuba ba ngi qubele ngi ze ngi fike kwa-Juda :

8 Kanye nenewadi i ye kuAsafa umlini wehlali lenkosi, ukuba a ngi nike imiti ngi ze ngenze amasango esigodhlo sendhlu neyodonga lomuzi, neyendhlu e ngi za kungena kuyo. Inkosi ya ngi vumela njengesandhla esilungileyo sika Tixo esi pezu kwami.

9 Kona ngeza kubabusi ngapesheya komfula, nga nika kubo izinewadi zenkosi. Inkosi ya be i tumile nami izinduna zamabuto, nabakwele amahashi.

10 Lapo bezwa lendaba oSanbalati umHaroni, noTobia inceku, umAmoni kwa ba hlupa kakulu ngoba kwa se ku fikile umuntu e ze ku siza abantwana baka Israeli.

11 Njalo ngeza eJerusalema, nga hlala kona izinsuku ezintatu.

12 Nga vuka ebusuku mina kanye nabantu aba be ngakanani, a ngi bonanga ngi tyela muntu loku uTixo a ku beka enhliziyweni yami, ukuba ngi kwenze eJerusalema : futi nga ngi nge nasilwane, ngapandhle kwa lesu e nga ngi kwele kuso.

13 Nga puma ebusuku ngesango lemfunda, ngapambili komtombo wesilo na sesangweni lobulongwe, nga buka izindonga zeJerusalema eza zi bidhlikile namasango alo e tyiswe ngomlilo.

14 Nga buya nga dhululela esangweni lomtombo, na secibini lenkosi kepa ya ingeko indawo lapo si nga dhulula kona isilwane e nga ngi kwele kuso.

15 Kona nga kupuka ebusuku nga secibini, nga bheka udonga, nga buya nga ngena ngesango lemfunda njalo nga buya.

16 Ababusayo ba be ngazi lapo nga ya kona, na loku e ngi kwenzayo, futi nga ngi nga ka ba tyeli abaJuda nabapristi, nezikulu, nababusayo, nabanye aba wenzayo umsebenzi.

17 Kona nga ti kubo, ni ya bona ukulhlopeka kwetu, loku iJerusalema li citekile, amasango alo a tyiswe ngomlilo : wozani, ma sake futi izindonga zeJerusalema ukuze si nga be si se sa ba ihlazo.

18 Kona nga ba tyela ngaso isandhla sika Tixo wami e sa si lungile kimi ; futi nga ba landisa namazwi enkosi e ya wa kuluma kimi. Ba ti, a ke si suke, njalo

ba qinisele lomsebenzi olungileyo, izandhla zabo.

19 Kepa lapo oSanbalati umHaroni, noTobia inceku, umAmoni, noGeshemu umArabia, be zwa loku ba si hleka usulu ba si binqa be ti, Yini loku e ni kwenzako na ? Ni zo hlubuka enkosini na ?

20 Kona nga ba pendula, nga ti, kubona uTixo wa sezulwini u ya kusisiza, ngako tina si izinceku zake so vuka, sake : Kepa nina a ni nasabelo a ni nanisebenzi, a ni nakukunjulwa eJerusalema.

### ISIAHLUKO 3.

**K**ONA uEliashibe umpristi omkulu wa suka kanye naba kubo abapristi ba laka isango lezimvu ; ba lenza li be ngewele, ba misa izicaba zalo ; kwa za kwa ba kuwo umbotyongo ka Mea ba lenza ngewele kwa za kwa fika kuwo umbotyongo ka Hananeli.

2 Ngasecaleni kwaka aba seJeriko. Ngasecaleni kwaka uZaka indodana ka Imri.

3 Isango lezinhlanzi lakiwa amadodana ka Sena, yena wa misa imityayo yalo, wamisa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo.

4 Ngasecaleni kwabo kwaka uMere-mote indodana ka Urija indodana ka Kozi. Ngasecaleni kwabo kwaka uMeshulam indodana ka Berekia, indodana ka Meshezabeli. Ngasecaleni kwabo kwaka uZadoki indodana ka Bana.

5 Ngasecaleni kwabo kwaka amaTekoi, kepa izikulu zabo a zi fakanga izintamo zazo emsebenzini wenkosi yabo.

6 Isango elidala lakiwa uJehoida indodana ka Pasea, kanye noMeshulam indodana ka Besodea : bona ba beka imityayo yalo, ba misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo.

7 Ngasecaleni kwabo kwaka uMelatia umGibeoni, noJadona umMerona, amadoda a kwa Gibeoni a seMizpa, kwa ze kwa fika embusweni wombusi nganeno komfula.

8 Ngasecaleni kwabo kwaka uZieli indodana ka Harhia wabakandi begolide. Ngasecaleni kwabo kwaka uHanania indodana yomunye wabatengisayo ngemiti, bona ba li qinisa iJerusalema nga sodongeni olubanzi.

9 Ngasecaleni kwabo kwaka uRefaya indodana ka Huri umbusi wenxenyeyeJerusalema.

10 Ngasecaleni kwabo kwaka uJedaia indodana ka Harumafe, malungana ne-

ndhlu yake. Ngasecaleni kwake kwaka uHatushe indodana ka Hashabonia.

11 uMalkija indodana ka Harimo kanye noHashube indodana ka Pahatimobi baka elinye ibanga nombotyongo wamaziko.

12 Ngasecaleni kwake, kwaka uShaluma indodana ka Halohesha umbusi w enxenyeye yeJerusalema yena namadodakazi ake.

13 Isango lemfunda lakiwa uHanuni kanye naba seZanoa; ba laka ba misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo, amakubiti a inkulungwane kwa ze kwa fika esangweni lezala.

14 Kepa isango lezala lakiwa uMalkia indodana ka Rekabi, umbusi w enxenyeye yeBethihakere mu; wa laka wa misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo.

15 Kepa isango lomtombo lakiwa uShaluma indodana ka Kolhozi umbusi w enxenyeye yeMizpa; wa laka, wa beka imityayo yalo, wa misa izicaba zalo, nezihlutulelo zalo, neziqongqwane zalo, kanye nodonga lwa secibini eli tiwa iSiloa, eduze nesimu yenkosi, na kuzo izikwelo ezehlayo emuzini ka Davida.

16 Emva kwake kwaka uNehemia indodana ka Azbuke, umbusi w enxenyeye yeBetzuri malungana namatuna a ka Davida na kulo icibi elembiwayo nase ndhlini yabakulu.

17 Emva kwake kwaka amaLevi, uRehume indodana ka Bani. Ngasecaleni kwake kwaka uHashabia umbusi w enxenyeye yeKela, endaweni yake.

18 Emva kwake kwaka abafu wabo, uBavai indodana ka Henadade umbusi w enxenyeye yeKela.

19 Ngasecaleni kwake kwaka uEzere indodana ka Jeshua umbusi weMizpa elinye ibanga malungana nendawo e yenyuka i ye endhlini yezikali, lapo udonga lu penduka kona.

20 Emva kwake uBaruki indodana ka Zabai waka ngokukutoba elinye ibanga ku suka ekupendukeni kodonga kwa za kwa fika emnyango endhlini ka Eliashibe umpristi omkulu.

21 Emva kwake kwaka uMeremote indodana ka Urija indodana ka Kozi ibanga elinye ku suka emnyango endhlini ka Eliashibe kwa za kwa fika ekugcineni kwendhlu ka Eliashibe.

22 Emva kwake kwaka abapristi, abantu ba sezweni lakona.

23 Emva kwake kwaka uBenjamini

noHashube malungana nendhlu yabo. Emva kwake kwaka uAzaria indodana ka Maseia indodana ka Anania ngase ndhlini yake.

24 Emva kwake kwaka uBinui indodana ka Henadade elinye ibanga ku suka endhlini ka Zaria, kwa za kwa fika ekupendukeni kodonga, ngasegunjini.

25 Wa ti uPalai indodana ka Uzai, waka malungana nokupenduka kodonga nombotyongo o dhulayo ngase ndhlini enkulu yenkosi, ngasebhla ngasebaleni letilongo. Emva kwake uPedaia indodana ka Paroshic, waka.

26 NamaNetini a e hlala eOfela, ngase sangweni lamanzi, ngasepumalanga, nombotyongo o nga pandhle.

27 Emva kwabo kwaka amaTekoi ibanga elinye malungana nombotyongo omkulu o nga pandhle, kwa za kwa fika ngasodongeni lwa seOfela.

28 Ngasebhla kwesango lamahashi kwaka abapristi, ku ilowo malungana nendhlu yake.

29 Emva kwabo kwaka uZadoki indodana ka Imere malungana nendhlu yake. Emva kwake, kwaka uShemia indodana ka Shekania, umlindi wesango la sempumalanga.

30 Emva kwake kwaka uHanania indodana ka Shelemia, noHanuni indodana yesitupa ka Zalafe, ibanga elinye. Emva kwake kwaka uMeshulamu indodana ka Berekia malungana nendhlu yake.

31 Emva kwake kwaka uMalkia wabakandayo igolide kwa za kwa ba sendaweni yamaNetini, neyabatengisayo malungana nesango iMifekade kwa za kwa ba sekukupukeni kwengosi.

32 Pakati kwebanga lokukupuka kwengosi ku ze ku fike esangweni lezimvu kwaka abakandi begolide kanye nabatengi.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti lapo uSanbalati e zwa ukuba sa be saka udonga wa tukutela wa vuka ngolaka wa ba hleka usulu abaJuda.

2 Wa kuluma pambi kwabakubo na sempini ya seSamarina, wa ti, Laba baJuda ababutakataka benzani na? Ba ya kuyekwa na? Ba ya kunikela na? Ba ya kuqeda emini na? Ba ya kuvusa yini amatye a sezingqwabeni nomia a tyiswa na?

3 Kwa ti uTobia umAmoni wa e naye,

wa ti, Loku abakwakayo, nokuba impungutye nje enyukela kona, i ya ku lu bidhliza udonga lwalo lwamatye.

4 Yizwa, Tixo wetu ngokuba tina si ya delelwa: u buyisele ukutuka kwabo pezu kwekanda labo u ba nikelwe ba pangwe ezweni lezitunjwa.

5 U nga sibekeli ukona kwabo, isono sabo ma si nga hlangulwa elusweni bako: ngokuba ba ku cunulile ukuba u tukutele pambi kwabakayo.

6 Saka njalo udonga; udonga lonke lwa hlanganiswa kwa za kwa pela inxenyayo: ngokuba abantu ba be nehhliziyo yokusebenza.

7 Kwa ti ukuba oSanbalati noTobia, naba seArabia, namaAmoni namaAshdodi, bezwe ukuti izindonga za seJerusalemale se zakiwe, nokuti izikala zi qaliwe ukuvinjwa, kona ba tukutela ngamandhla.

8 Ba hlangana bonke kanye ukuba beze ba zo kulwa eJerusalemale, ukulona.

9 Kepa senza ukukuleka kuTixo wetu, sa ba bekela abalindi imini nobusuku, ngenxa yabo.

10 AbaJuda ba ti Amandhla abetwelayo a se pelile ku sele izibi eziningi; ngako a si nako ukwaka udonga.

11 Izita zetu za ti, Ka ba so ze bazi, ka ba so ze ba bona, si ze si fike pakati kwabo, si ba bulale, si nqamule umsebenzi.

12 Kwa ti lapo bezayo abaJuda a ba be hlezi eduze nabo, ba ti kitina kashumi, Ezindaweni zonke lapo ni buyela kitina, bo ni vukela.

13 Ngako nga beka ezindaweni ezi senzansi odongeni, nasezindaweni ezi pezulu, nga beka kwa i lowo muntu kanye nabakubo, be nezinkemba zabo, nemikonto yabo, nemicibityelo yabo.

14 Nga ze nga cinga, nga suka nga ti kuzo izikulu nakubabusi, nakubo abanye abantu, ni nga be sabi: kumbulani inkosi enkulu e sabekayo, ni lwele abafu wenu amadodana enu, amadodakazi enu, omkenu nezindhlu zenu.

15 Kwa ti lapo izita zetu se zi zwile ukuba se si ya yazi lendaba, noTixo u citile icebo labo sa pindela sonke odongeni, kwa ilowo emsebenzini wake.

16 Kwa ti kwa suka kuleso isikati inxenyayo yezineeku zami ya sebenza, inxenyayo ya pata imikonto, namahau, imicibityelo, namabantyi ensimbi, ababusi ba bemis ngasemva kwabo bonke abendhlu yakwa Juda.

17 Bona abalwakayo udonga, naba be twala inithalo, kanye nabebetwesayo, bonke kwa ilowo wa sebenza ngesandhla sinye, ngesinye wa pata izikali.

18 Abakayo bonke ba bopa kwa ilowo inkemba yake okalweni lwake, baka kanjalo. O wa e tyaya itilingo wema nga kimi.

19 Mina nga ti kuzo izikulu, nakubabusi na kubo abanye babantu, Umsebenzi mkulu, u namandhla; tina salhluke ne odongeni, omunye u kude nomunye.

20 Ngako kona ku lendawo lapo ni zwayo ukukala kwetilongo, butanani kona ni ze kimi: uTixo wetu u ya kusilwela.

21 Njalo sa quba umsebenzi: inxenyayo ya pata imikonto ekupumeni kwelanga ku ze ku pume izinkanyezi.

22 Futi ngalesikati nga ti kubantu, ma ba hlale bonke pakati kweJerusalemale, ku be ilowo nenceku yake ukuze zi si linde ebusuku ku ti emini zi sebenze.

23 Ngako mina, naba kiti, nezineeku zami, nabalindi aba ngi landelayo, amuko kiti o wa kumula izingubo zake, kupela kwa ilowo wa zi kumulela ukuhlazwa.

#### ISAHLUKO 5.

**K**WA kona ukukala okukulu kwabantu nabafazi babo, be sola abangane babo abaJuda.

2 Ngokuba ba ti abanye, Tina nabafana betu namantombazana etu, si baningi, ma si tenge ngabo amabele si dhle si pile.

3 Abanye ba ti amazwe etu, nezivini zetu nezindhlu zetu si tembisile ngazo, ukuze si tenge amabele, ngenxa yendhlala.

4 Abanye ba ti si tyelekile imali yokulela enkosini, sa tembisa ngamazwe etu nezivini zetu.

5 Kepa namhla imizimba yetu i nje ngemiziniba yabafu wetu; abantwana betu ba njengabantwana babo: bekani si nikela abafana betu, namantombazana etu ba be izigqili yebo amanye amantombazana etu a se nikelwe a si nakwenza luto: ngokuba amazwe etu nezivini zetu se ku okwabanye abantu.

6 Nga ti ukuzwa ukukala kwabo nalawa mazwi nga tukutela kakulu.

7 Inhliziyo yami ya qonda nga kulumisana nezikulu nababusi nga ti kubona, Nina nonke ni ya ba dhla abafu wenu ngokubanga amacala. Nga misa ibandhla elikulu elipambene nabo.

8 Nga ti kubo, Tina njengamandhla etu, si ba hlangile abafu wetu abaJuda, aba be tengisile kwabezizwe: po ni ya tengisa ngabafu wenu na? ba ya kute-ngiswa kitina na? kona ba tula be nge nakupendula.

9 Futi nga ti, a ku lungile loku e ni kwenzayo; nga ni nga hambu ngokume-saba uTixo wetu, ngenxa yokuduka kwabezizwe, izifa zetu na?

10 Nami, nabafu wetu, nezinceku zani, si bizile kubona imali namabele: ngi ya ni ncenga a si yeke lawa macala.

11 Ma ni buyisele kona namihlanje, amazwe abo, nezivini zabo, nezihlwati zabo, nezindhlu zabo, nokwekulu kwemali, nokwamabele, newaini namafuta e na bapuca kona.

12 Ba ti, Si ya kukubuyisa kubona; si ya kwenza njengokutyo kwako. Kona nga ba biza abapristi, nga ba fungisa, ukuba benze njenga lelizwi.

13 Futi nga vutulula ingubo yami, nga ti, uTixo ma ka ba vutulule kanjalo bonke ezindhlini zabo, na semfuyweni yabo, aba nga li geiniyo lelizwi ma ba vutululwe kanjalo ba be ize. Ibandhla lonke la ti, Amen, ba m bonga uJehova. Abantu benza njengalo lelizwi.

14 Noku nga miswa ngi be umbusi wabo ezweni labaJuda, ku qala ngomyaka wamashumi amabili kwa za kwa ba umnyaka wamashumi amatatu nambili ka Artasasta inkosi ukuti iminyaka e ishumi nambili, a si bonanga si dhla ukudhla kombusi, mina nabafu wetu.

15 Kepa, ababusa kuqala, ngi nga ka miswa ba be hlupa abantu, ba tabata kubo izinkwa newaini nga pandhle kwamashkelu esiliva a nga mashumi mane; yebo, nazo izinceku zabo za busa abantu kepa mina a ngenzanga njengabo ngokuba nga mesaba uTixo.

16 Nga bambelela emsebenzini wa loludonga, a si tenganga izwe: zonke izinceku zami za butana kona emsebenzini.

17 Kwa ku kona etebuleni lami, abaJuda nababusi aba ikulu namashumi a isihlanu, ngapandhle kwa laba aba be zile kitina, be vela ezizweni ezi kona.

18 Loku e nga ku lungiselayo imihla ngemihla kwa ku inkabi, nezimvu ezi isitupa ezi ketiweyo futi nga lungiselwa izinkuku nezinhlobo zonke zewaini, kanye ezisukwini ezi ishumi; nokuba kwa ku njalo nga ngi nga dingi ukudhla

kombuso, ngokuba lababantu ba be e-ndezekile ngokutela kwabo.

19 Ngi kumbule, Tixo wami, ngomusa, njengokwenza kwami ku laba bantu.

ISAHLUKO 6.

**K**WA ti lapa oSanbalati noTobia, noGeshemu umArabia, nezinye izita zetu, zezwa ukuba, ngakile udonga, ukuba a si seko isikala kulo; (kepa ngaso lesosikati nga ngi nga ka misi izicaba emasangweni);

2 oSanbalati naye uGeshemu ba tumela kimi, be ti, A ke si hlangane emuzaneni otile o senfundeni ya seOno. Bona ba be cabanga ukungihlupa.

3 Nga tumela kubona izigijimi, nga ti, Ngi sebenza umsebenzi omkulu a ngi nakwehla: u zo yekwelani umsebenzi, ngi wu shiye, ngchle ngi ye kini na?

4 Kepa ba tumela kimi kane, njengako loko; nga ba pendula kanjalo.

5 Kona uSanbalati, ngokwesihlanu wa tumela inceku yake kimi kanjalo i pete incwadi evuliweyo esandhlени sayo;

6 O kwa ku lotywe kutyo, ukuti ku zwakala ezizweni naye uGeshemu u ya kutyo ukuti wena nabaJuda ni cabanga ukuhlubuka: ngako loku ni yaka udonga, ukuze u be inkosi yabo, njenga lamazwi.

7 Futi u misile abaprofeti ba shumayele ngawe eJerusalem, ba ti, ku kona inkosi eJuda: ko ze ku bikwe enkosini njenga lamazwi. Wozake ngako, ma si qondisane.

8 Nga tumela kuye, nga ti a kwenziwa luto olu njengokutyoyo, kepa wena u ya qambanje enhliziyweni yako.

9 Ngoba bonke ba setusa, be ti zo ze zi pele amandhla izandhla zabo, ukuba ku nga setyenzwa. Ngako wena, Tixo wami, qinisa izandhla zami zi be nawo amandhla.

10 Kona ngeza endhlени ka Shemaia indodana ka Delaia indodana ka Mehetabeli, o wa be e zivalele; wa ti, A ke si hlangane endhlени ka Tixo, pakati kwalo itemple, ma si vale isicaba zetempeli: ngoba ba zo lika, ba ku bulale, yebo ba zo fika ebusuku, ba ku bulale.

11 Nga ti, ku nga m fanela umuntu o njengami a baleke na? Ku kona ubani, o njengami, o nga ngena etempelini ukuzisindisa na? A ngi yi ku ngena.

12 Kona nga bona impela ukuba uTixo wa e nga m tumile; kepa u yena nje o profeta ngami: ngokuba oTobia noSanbalati ba be kokela.

13 Wa e kokelwe, ukuba ngesabe ngeze ijengezwi lake, ngone, bona ba be nako ukukuluma kabi ngami, be ngi dela.

14 Tixo wami, kumbula oTobia noSanbalati ngazo lezi zenzo zabo, naye unprofetikazi uNoadia, nabanye abaprofeti, abafisa ukungesabisa.

15 Udonga lwa pela ngosuku lwamashumi amabili neshlanu lwenyanga uElula, ezinsukwini ezi mashumi malhanu nambili.

16 Kwa ti, lapo zonke izita zetu zezwa loku, nabezizwe aba be kona be bona lezo zinto, ba zidelela: ngokuba ba bona ukuba ukwenza kuka Tixo wetu, loku.

17 Nga leyomihla izikulu za kwa Juda za tumela kuTobia izinewadi eziningi, nezika Tobia za fika kuzo.

18 Ngoba abaningi ba kwaJuda ba be fungile kuye, ngoba yena wa e unkwanyana ka Shekania indodana ka Ara; indodana yake uJohanani wa e tatile indodakazi ka Meshulamu indodana ka Berekia.

19 Futi be babaza izezo zake ezihle ebusweni bami ba landa amazwi ami kuye. uTobia wa zi tuma izinewadi uku- ngesabisa.

#### ISAHLUKO 7.

**K**WA ti, udonga se lwakiwe se ngi n- sile izicaba ku bekiwe abalindi bemi- nyango; nabahlabelelayo nabaLevi.

2 Nga ba misa oHanani umfo wetu, noHanania umbusi wesigodhlo, ukuba ba buse eJerusalema: ngoba wa e umu- ntu otembekayo, wa mesaba uTixo ku nabaningi.

3 Nga ti kubona, ma ku nga vulwa emasangweni a seJerusalema li ze li be pezulu ilanga, lapo be mi kona, ma ba vale inivalo, ba qinise: ma ku miswe abalindi abakileyo eJerusalema, ku be ilowo ekulindeni kwake, ilowo malunga- na nendhlu yake.

4 Umuzi wa u banzi inxa zonke unukulu, kepa abantu aba kuwo ba be incozana, izinhlu za zi ngakakiwa:

5 Wa ti uTixo wami wa ngi nika inhliziyoyokuba ngi bute izikulu, nababusi, nabantu, ukuze ba balwe ngoku- zalwa kwabo. Nga i fumana inewadi yokuzalwa kwabo aba kupuka kuqala, nga fumana ku lotywe kona, ukuti,

6 Laba ba abantwana bezwe, abakupu- kayo kuzo izitunjwa e be zi tunjiwe, a be zi tumbile uNebukadnezari inkosi ya

seBabulona, ba buyela eJerusalema na seJudia, kwa ba ilowo weza emuzini wa kubo;

7 Abezayo noZerubabeli; uJeshua, uNehemia, uAzaria, uRamia, uNahama- ni, uMordekai, utilshane, uMisperete, uBigvai, uNehume, uBana. Umumo wabantu ba kwa Israeli; kwa ku ilo;

8 Inzalo ka Paroshe, aba izinkulu- ngwane ezimbili, nekulu namashumi a isikombisa nambili.

9 Inzalo ka Shefatia amakulu amata- tu namashumi a isikombisa nambili.

10 Inzalo ka Ara, amakulu a isitupa, namashumi amahlanu nambili.

11 Inzalo ka Pahatimoabi wenzalo ka Jeshua noJoabi, izinkulungwane ezimbi- li namakulu a isishiyagalombili neshu- mi nashiyagalombili.

12 Inzalo ka Elami, inkulungwane naniakulu amabili namashumi a isihla- nu nane.

13 Inzalo ka Zatu, amakulu a isishiya- galombili namashumi amane neshlanu.

14 Inzalo ka Zakai, amakulu a isiko- mbisa, namashumi a isitupa.

15 Inzalo ka Binui, amakulu a isitupa, namashumi amane neshiyagalombili.

16 Inzalo ka Bebai, amakulu a isitupa namashumi amabili neshiyagalombili.

17 Inzalo ka Azgade, izinkulungwane ezimbili namakulu amatatu namashumi amabili nambili.

18 Inzalo ka Adonikamu, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesiko- mbisa.

19 Inzalo ka Bigvai, izinkulungwane ezimbili namashumi a isitupa nesiko- mbisa.

20 Inzalo ka Adine, amakulu a situ- pa, namashumi a isihlanu neshlanu.

21 Inzalo ka Atere ka Hezekia, ama- shumi a isishiyagalolunye neshiyaga- lombili.

22 Inzalo ka Hashume amakulu ama- tatu, namashumi amabili neshiyaga- lombili.

23 Inzalo ka Bezai, amakulu amatatu namashumi amabili nane.

24 Inzalo ka Harifa, ikulu neshumi nambili.

25 Inzalo ka Gibeoni, amashumi a shi- yagalolunye neshlanu.

26 Abantu ba se Betlehema na seNeto- fa, ikulu namashumi a shiyagalombili neshiyagalombili.

27 Abantu ba seAnatoti ikulu nama- shumi amabili neshiyagalombili.

28 Abantu ba seBetazmavete, amashumi amane nambili.

29 Abantu ba seKirjatjearimi, na seKefira, na seBerote, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu.

30 Abantu ba seRama, na seGaba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye.

31 Abantu ba seMikmasi, ikulu namashumi amabili nambili.

32 Abantu ba seBeteli na seAi, ikulu namashumi amabili nantatu.

33 Abantu ba seNebo lesibili, amashumi a isihlanu nambili.

34 Inzalo ka Elami wesibili, inkulungwane namakulu amabili namashumi amahlanu nane.

35 Inzalo ka Harimo, amakulu amatatu namashumi amabili.

36 Abantu ba seJeriko, amakulu amatatu, namashumi amane nesihlanu.

37 Abantu ba seLodi, na seHadidi, na seOno amakulu a isikombisa namashumi amabili nanye.

38 Abantu ba seSena, izinkulungwane ezintatu, namakulu ashiyagalolunye namashumi amatatu.

39 Abapristi; inzalo ka Jedaia, abendhlu ka Jeshua, amakulu ashiyagalolunye namashumi akombisa nantatu.

40 Inzalo ka Imere, inkulungwane, namashumi a isihlanu nambili.

41 Inzalo ka Pashure, inkulungwane, namakulu amabili namashumi amane nesikombisa.

42 Inzalo ka Harimo, inkulungwane, neshumi nesikombisa.

43 AbaLevi: inzalo ka Jeshua, ka Kadmieli, inzalo ka Hodeva, amashumi a isikombisa nane.

44 Abahlabeleli; inzalo ka Asafa, ikulu namashumi amane nesishiyagalombili.

45 Abalindi banasango, inzalo ka Shaluma, inzalo ka Atere, inzalo ka Talmona, inzalo ka Akuba, inzalo ka Hatita, inzalo ka Shobai, ikulu namashumi amatatu nesishiyagalombili.

46 AbaNetini, inzalo ka Ziha, inzalo ka Hasufa, inzalo ka Tabaote,

47 Inzalo ka Kerosi, inzalo ka Sia, inzalo ka Padona,

48 Inzalo ka Lebana, inzalo ka Hagabe, inzalo ka Shalmi,

49 Inzalo ka Hanani, inzalo ka Gidele, inzalo ka Gahare.

50 Inzalo ka Reaia, inzalo ka Rezina, inzalo ka Nekoda,

51 Inzalo ka Gazamu, inzalo ka Uza, inzalo ka Pasea,

52 Inzalo ka Besai, inzalo ka Mehuni-me, inzalo ka Nefishisemu,

53 Inzalo ka Bakbuki, inzalo ka Hakufa, inzalo ka Harhure,

54 Inzalo ka Bazlute, inzalo ka Mehida, inzalo ka Harosha,

55 Inzalo ka Bakose, inzalo ka Sisera, inzalo ka Tama,

56 Inzalo ka Nezia, inzalo ka Hatifa.

57 Inzalo yezinceku zika Solomona; inzalo ka Sotai, inzalo ka Soferete, inzalo ka Perida,

58 Inzalo ka Jala, inzalo ka Dakona, inzalo ka Gidele,

59 Inzalo ka Shefatia, inzalo ka Hatila, inzalo ka Pokerete, ka Zebaimu, inzalo ka Amoni.

60 AbaNetini bonke kanye nenzalo yezinceku zika Solomona, ba be amakulu amatatu, namashumi a isishiyagalolunye nambili.

61 Ibo laba futi aba be kupukile, eTel-mela, eTelharesa, eKerube, eAdane, na seImere: kepa ba be nge nakubonakalisa indhlu ya oyise, nokuzalwa kwabo, nokuba ba be aba kwa Israeli.

62 Inzalo ka Delaia, inzalo ka Tobia, inzalo ka Nekoda, amakulu a isitupa, namashumi amane nambili.

63 Na kubapristi: inzalo ka Habaia, inzalo ka Kozi, inzalo ka Barzilai, yena owa ganwa indodakazi ka Barzilai umGiladi, wa e bizwa ngegama labo.

64 Laba ba funa ukubalwa kwabo pakati kwa babalwayo ngokuzalwa kwabo, kepa a ku funyanwanga: ngako kwa tiwa aba ngeolileyo, ba kitywa ebupristini, ngokungati ba ngeolile.

65 Umbusi wa ti kubona ba ngeze ba dhla okungewele, ku ze ku vele umpri-ste o neUrimi neTumini.

66 Umumo webandhla lonke wa u izinkulungwane ezinamashumi mane nambili namakulu amatatu namashumi a isitupa,

67 Ngapandhle kwezinceku zabo zesilisa nezesifazana, zona za zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa: ba be nabesilisa nabesifazana aba hlabelelayo aba ngamakulu amabili namashumi amane nesihlanu.

68 Amahashi abo, amakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa: izimbongolo zabo, amakulu amabili namashumi amane nesihlanu.

69 Amakamele abo, amakulu amane namashumi amatatu nanhlanu: izinjo-



mane izinkulungwane ezi isitupa nama-kulu a isikombisa namashumi amabili.

70 Abanye abanumzana ba nikela emsebenzini. Umbusi wa nikela esikwameni amadarike egolide a inkulungwane, izitya ezi amashumi a isihlanu, izingubo zabapristi, ezi amakulu a isihlanu namashumi amatatu.

71 Abanye abanumzana ba nikela esikwameni amadarike egolide a izinkulungwane ezi amashumi amabili, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezimbili, namakulu amabili.

72 Loku okwa nikelwayo abanye abantu kwa ku amadarike egolide a izinkulungwane ezi amashumi amabili, nezilinganiso zesiliva ezi izinkulungwane ezimbili, nezingubo zabapristi ezi amashumi a isitupa nesikombisa.

73 Njalo abapristi, nabaLevi, nabalindi beninyango, nabahlabeleli, nabanye babantu, namaNetini, nabo bonke aba-Israeli ba hlala emizini yabo; ekutwaseni kwenyanga yesikombisa aba-Israeli bonke ba be hlezi emizini ya kubo.

#### ISAHLUKO 8.

**A**BANTU bonke be butene nganhliziyonye ebaleni ngapambili kwesango lamanzi: ba tyo kuEzra umbali ukuti a lete inewadi yomteto ka Mosi, uJehova a be yalile aba-Israeli ngawo.

2 Wa ti uEzra umpristi wa leta umteto, pambi komhlangano wabesilisa nabesifazana nabo bonke aba be ngezwa ba qonde, ngosuku lokuqala lwenyanga yesikombisa.

3 Wa u funda ngasebaleni eli ngapambi kwesango lamanzi, wa qala kusasa kwa za kwa semini, ebusweni babesilisa nabesifazana, bonke aba be nako ukuzwisa izindhlebe zabantu bonke, za lalala inewadi yomteto.

4 Umbali uEzra wema endaweni epakamileyo yamaplangwe aba be yenzele lomsebenzi, kwema naye, nga kwesokunene sake, oMatitia, noShema, noAnania, noUrija, noHilkia, noMaseia; ngakwesodhlo sake; oPedia, noMishali, noMalkia, noHashume, noHashbadana uZekeria noMeshulamu.

5 uEzra wa yi penya inewadi emehlweni abo bonke abantu; ngokuba wa e-pakeme ngapezulu kwabantu bonke; lapo e penya ba suka bema bonke abantu.

6 uEzra wa m bona uJehova, uTixo onkulu. Bonke abantu ba vuma, be ti,

Ameni, Amen, be pakamisa izandhla zabo; ba kotama ba m dumisa uJehova ubuso babo bu bheke pantsi.

7 Futi uJeshua, noBani, noSherebia, uJamina, uAkuba, uShabetai, uHodija, uMaseia, uKelita, uAzaria, uJozabade, uHanani, uPelaia, nabaLevi ba ba fundisa abantu umteto: abantu bema ezindaweni zabo.

8 Njaloke be funda enewadini emfentweni ka Tixo ba pimisela kahle, ba zwakalisa kahle, ba ba qondisa okufundwayo.

9 Wa ti uNehemia o ngumbusi noEzra umpristi umbali, nabaLevi, abafundisi babantu, ba ti kubantu bonke, Lolusuku lu ngewele kuJehova uTixo wenu; ni nga dabuki, ni nga kali. Ngokuba bonke abantu ba be kala, lapo bezwa amazwi omteto.

10 Wa ti kubo, Hambani ni dhle okunonileyo, ni puze okumandi, ni babele laba aba nga lungiselwanga luto: ngokuba namhla ku usuku olungewele kuJehova wetu; ni nga dabuki, ngokuba ukutokoza oku vela kuJehova ku amandhla enu.

11 Ku njalo abaLevi ba tulisa abantu bonke, be ti, Tulani ngoba namhla usuku olungewele; ni nga dabuki.

12 Bonke abantu ba hamba ba ya kudhla, nokupuza, nokubabela abanye, nokujabula kakulu, ngokuba ba be zwile amazwi aba be wa tyeliwe.

13 Ngolwesibili kwa butana abanumzau babantu bonke, abapristi, nabaLevi, beza kuEzra umbali ukuze ba qonde amazwi omteto.

14 Ba fumana ku baliwe emtetweni uJehova a u yalayo ngaye uMosi, ukuba abantwana ba ka Israeli ba hlale emadokodweni ngesikati somhlangano wenyanga yesikombisa:

15 Nokuba ba memenzele ba tumele izwi emizini yonke ya kubo, na seJerusalem, be ti, Pumani ni ye entabeni ni lete amagatya omhlwati, namagatya omtidhari, namagatya emihadusi namagatya esundu, namagatya emiti emihle, nenze amadokodo, njengokuba ku baliwe.

16 Njaloke abantu ba puma ba wa leta, ba zenzela amadokodo kwa ilowo opahleni lwendhlu yake, nasebaleni lake, nasemabaleni endhlu ka Tixo, nasendhleni yesango lamanzi, nasebaleni lesango lika Efraimi.

17 Wonke umhlangano wabo aba be

buyile kuzo izitunjwa, ba zenzela amadokodo ba hlala emadokodweni abo; seloku wa fa uJoshua indodana ka Nuni, ku ze ku be i lolusuku, abantwana ba ka Israeli ba be nga kwenzile loku. Kwa ku kona ukujabula okukulu.

18 Wa funda enwadini yomteto kaTixo imihla ngemihla iloku kwa qala ngomhla wokuqala, kwa za kwa ba umhla wokugeina. Benza umhlangano izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lweshiyagalombili kwa ba kona isonto, nje-ngomkuba wabo.

ISAHLUKO 9.

**K**WA ti ngosuku lwamashumi amabili lwa leyo nyanga abantwana ba ka Israeli ba be butene, be zile ukudhla, be gqoke izindwangu zokulila, be zitele ngomhlabati.

2 Inzalo ka Israeli ya zahlukanisa kwabezizwe bonke, besuka bema be bika izono zabo, nokona kwa okoko babo.

3 Besuka bema ezindaweni zabo, ba funda enwadini yomteto ka Jehova uTixo wabo, inxenye yesine yosuku ngenye inxenye yesine yosuku ba vuma, ba m dumisa uJehova uTixo wabo.

4 Besuka bema endaweni epakamileyo kubaLevi, uJeshua, uBani, uKadmieli, uShebania, uBuni, uSherebia, uBani, uKenani, ba memeza ngezwi elikulu kuye uJehova uTixo wabo.

5 Kona abaLevi, noJeshua, noKadmieli, uBani, uFlashabania, uSherebia, uHodija, uShebania, uPetahia, ba ti, Sukani, ni me ni bongwe uJehova uTixo wenu ku ze ku be nini: ma li bongwe igama lako elikazimulayo, elipakanyisiwe nga pezulu kwako konke okubongiweyo nokudmyisiweyo.

6 Wena, u nguJehova wedwa, wena u lenzile izulu, izulu lamazulu, namabandhla onke awo, umhlabi, nako konke oku kuwo, ulwandhle, nako konke oku kulo, wena u londa konke; amabandhla ezulu a dumisa wena.

7 Wena u nguJehova uTixo owa m keta uAbrama wa m kipa eUri lamaKaldi, wa muta igama lokuti uAbrahamama,

8 Wa yi fumana inhliziyo yake i qinisiwe kuwe, wa senza isivumelwano naye ukuba a m nike izwe lamaKanani, ne lamaHiti, ne lamaAmori, ne lamaPerizi, ne lamaJebusi, ne lamaGirgashi, enzalweni yake, wa wa feza amazwi ako; ngokuba wena u lungile.

9 Wa ku bona ukuhlupeka kwa okoko betu, Egipite, wa ku zwa ukukala kwabo elwandhle olubomvu;

10 Wa zenza iziboniso nemimangaliso kuFaro, na kuzo zoni ke izineeku zake, na kubo bonke abantu bezwe lake: ngokuba wa be wazi ukuba ba beyisa. Ku njalo wa zenzela igama lako li be likulu njengokuba li kona namhlanje.

11 Wa lwahlukanisa ulwandhle pambi kwabo, ba dabula elwandhle, be hamba emhlabatini owomileyo; aba be ba hlupa wa ba ponsa elwandhle njengetye li ponseka emanzini amakulu.

12 Wa ba hola emini ngensika yefu; na sebusuku ngensika yomlilo, ukubakanyisela endheleni aba hamba ngayo.

13 Wehlela entabeni iSinai, wa kuluma nabo u sezulwini wena wa ba nika izimisio ezifaneleyo, nemiteto elungileyo, nemiyalo emihle: nezimemezelo.

14 Wa bazisa isabata lako elingewele, wa ba luleka ngemiyalo na ngezimisio na ngemiteto ngesandhla senceku yako uMosi:

15 Wa ba nika isinkwa sa sezulwini ngokulamba kwabo, wa ba kipela amanzi etyeni ngokoma kwabo, wa tyo kubokuti ba ya kufuya izwe o bu fungile ukuti u za ku ba nika lona.

16 Kepa bona nokoko betu ba zeyisa ba qinisa izintamo zabo, ka ba lalalanga imiyalo yako.

17 Ba nqaba ukulalela a ba kumbulanga izimangaliso obu zenzile pakati kwabo be bona; ba qinisa izintamo zabo na ngokuhlubuka kwabo ba mise inkosi ukuba ba buyele ekubotyweni kwabo; kepa wena u nguTixo o vumayo ukutelela, o nomusa, o nobubele, o puza ukutukutela, o haukelayo njalo, ka u ba shiyanga.

18 Yebo, na lapo se be lenzile itole elikandiweyo be ti, iloku uTixo wenu, o ni kupulileyo Egipite, ba kweisa kakulu.

19 Noko wena, ngawo umusa wako omkulu a u ba shiyanga ehlane; insika yefu a i ba shiyanga emini ya ba hola endheleni, nensika yomlilo ebusuku ya ba kanyisela ukuba ba bone indhlela aba hamba ngayo.

20 Wa ba pa futi umoya wako omuhle ukubafundisa a u ba neityanga imana lako emilonyeni yabo, wa ba pa namanzi uma bomile.

21 Yebo, wa bondhla iminyaka emashumi mane ehlane ka ba dinganga lu-

to; izingubo zabo a zi guganga, nezinyawo zabo a zi vuvukalanga.

22 Futi wa ba pa imibuso nezizwe, wa ba hlukanisela ngezindawo; njaloke ba tola izwe lika Sihoni, nezwe lenkosi ya seHeshbone nezwe lika Hogi, inkosi ya seBashani.

23 Wa bandisa abantwana babo ba ze ba ba ngangezinkanyenzi zezulu, wa ba zisa ezweni o bu li tyilo ngalo koyise babo ukuti ba za kungena ba li fuye.

24 Njalo abantwana ba ngena ba li fuye izwe, wa ngoba pambi kwabo abantu bezwe, amaKanani, wa wa nikela ezandhlени zabo, kanye namakosi awo, nabantu abakileyo ezweni, ukuba benze kubona njengentaudo yabo.

25 Ba tabata imizi e izinqaba, nezwe elivundileyo, ba be nezindhlu eza zigewele impahla yonke imigodi yamanzi embiweyo, nezivini, nesihlwati, nemiti eminingi ezezitelo zokudhla: ba dhla, besuta, ba kulupala, ba zijabulisa ngobunene bako obukulu.

26 Noko ba ngaba ukulalela, ba hlu-buka kuwe, ba u dela umteto wako, ba bulala abaprofeti bako aba ba sola ngamacala abo, ba cunula kakulu.

27 Ngako wa ba nikela ezandhlени zezita zabo, eza ba hlupa: ngesikati soku-hlupeka kwabo, lapo be kulekayo kuwe, wa bezwa u sezulwini; na njengomusa wako omkulu wa ba nika abasindisi, aba ba sindisayo ezandhlени zezita zabo.

28 Kepa se be nokutula ba buye, bona pambi kwako: ngako wa ba yeka be sezandhlени zezita zabo, zona za bahlula: kepa lapo ba buya ba kuleka kuwe, wa bezwa u sezulwini, wa ba kulula izikati eziningi njengomusa wako;

29 Wa fakaza ngabo, ukuze u ba buyisele pansi komteto wako; kepa bona ba kweisa a ba yi lalalanga imiteto yako, kepa bapula imiyalo yako, loko uma umuntu e yenza, u ya pila ngayo; ba kipe ihlombe, ba qinise izintamo zabo, bala ukuzwa.

30 Kepa iminyaka eminingi wa ba hukela, wa ba sola, ngomoya wako, na ngabaprofeti bako; ba ngaba ukuzwa noko: ngako wa ba nikela ezandhlени zabezizwe.

31 Kepa ngenxa yomusa wako omkulu, ka u ba qedanga ukuti nya, ka u ba shiyanga; ngoba wena u nguTixo o nomusa, o haukelayo.

32 Njaloke wena Tixo wetu, u Tixo omkulu, o namandhla, o sabekayo, o gci-

nayo isivumelwano nomusa, ukuhlupelaka konke loku, ma ku nga bi ku neane emehlweni ako, oku sehleleyo tina, namakosi etu, namakosana etu, nabapristi betu, nabaprofeti betu, nobaba betu, nabantu bonke bako, kwa sesikatini samakosi a seAsiria, ku ze ku be namhlanje.

33 Ku sehlela kahle kodwa konke loku o ku sehleleyo, ngoba wena wenzile kahle, kodwa tina sonile.

34 Amakosi etu, namakosana etu, nabapristi betu, nobaba betu, kanye a ba geinayo umteto wako, a ba lalelayo imiyalo yako, nezimemezelo zako, owa ba solayo ngazo.

35 A ba ku konzanga embusweni wabo, na semuseni wako, o wa ba nika wona, na sezweni elikulu elivundileyo o wa ba pa lona, a ba yi delanga imisebenzi yabo emibi.

36 Bheka, tina si izinceku namhlanje; nezwe o wa li nika obaba betu ukuba ba dhle izitelo zabo, nokuhle kwalo, tina si izigqili kulo impela.

37 Li ya wa telela kakulu amakosi owa misileyo ukuba a si buse ngenxa yezono zetu, futi a busa nemizimba yetu, nezinkomo zetu, ngentando yawo: tina si sekuhlupeleni okukulu.

38 Ngako konke loku senze isivumelwano esiqinileyo, si ya si loba; amakosana etu, kanye nabaLevi, nabapristi betu, ba ya si qinisa.

#### IS AHLUKO 10.

**A**BA si qinisayo kwa ku oNehemia, umbusi, indodana ka Hakalia, noZidikija,

- 2 uSeraia, uAzaria, uJeremia,
- 3 uPashure, uAmaria, uMalkija,
- 4 uHatushe, uShebenia, uMaluka,
- 5 uHarimo, uMeremote, uObadia,
- 6 uDanyeli, uGinetone, uBaruki,
- 7 uMeshulam, uAbija, uMijamina,
- 8 uMazia, uBilgai, uShemaia, laba ba be abapristi.

9 AbaLevi, uJeshua, indodana ka Azania, uBinui wamadodana ka Henadade, uKadmieli;

10 Abafo wabo, oShebania, uHodija, uKelita, uPelaia, uHanani,

11 uMika, uRehobi, uHashabia,

12 uZakuri, uSherebia, uShebania,

13 uHodija, uBani, uBeninu,

14 Abaizikulu kubantu; uParoshe,

uPahatemoabi, uElami, uZatu, uBani,

15 uBuni, uAzgade, uBehai,

16 uAdonija, uBigvai, uAdiue,  
 17 uAtere, uHizkija, uAzure,  
 18 uHodija, uHashume, uBezai,  
 19 uHarifa, uAnatoti, uNebai,  
 20 uMagpiasha, uMeshulamu, uHezire,  
 21 uMeshezabeli, uZadoki, uJadua,  
 22 uPelatia, uHanani, uAnaia,  
 23 uHoshea, uHanania, uHashube,  
 24 uHalohesha, uPileha, uShobeka,  
 25 uRehuma, uHashabna, uMaseia,  
 26 Nabo oAhija, nollanani, noAnani,  
 27 uMaluka, uHarimo, uBana,

28 Nabaseleyo kubantu ba ngabapristi, nabaLevi, nabalindi bamasango, nabahlabeleli, namaNetini, nabo bonke aba be zablukanisile kubantu bezizwe, ba zinikela emtetweni ka Jehova; abafazi babo, amadodana abo, amadodakazi abo bonke aba nokwazi, nengqondo;

29 Ba namatela kubafo wabo, izinduna za kubo, ba ngena esifungweni nasesivumelwaneni ukuba ba hambe emtetweni ka Tixo, nokugeina, nokwenza njengemiyalo yonke ka Jehova uTixo wetu, nezimiso zake nezimemezelozo zake;

30 Ukuba si nga niki izintombi zetu abantu bezwe, si nga tateli abafana betu izintombi zabo.

31 Noma abantu bezwe be leta imphahla nokudhla ngesabata be funa ukutengisa ngako, ukuba si nga ku tengi ngesabata na ngosuku olu ingewele: si yeke umnyaka wesikombisa si nga mangaleli muntu ngecala.

32 Futi si zenzele umteto, ukuba si tele iminyaka ngeminyaka okwesitatu kweshekali, si telele umsebenzi wendhlu ka Tixo wetu;

33 Nezinkwa zokubhekela, neminikelo wokudhla imihla ngemihla, nomnikelo wokutya imihla ngemihla wamasabata, okwetwasa kwezinyanga wemihlangano emisiweyo, wezinto ezingewele, weminikelo yezono, ukuhlaulela abaIsraeli, nomomisebenzi wonke wendhlu ka Tixo wetu.

34 Senza inkato pakati kwabapristi, nabaLevi, kanye nabantu, ngawo umnikelo wezinkuni ukuba si zilete endhlini ka Tixo wetu, njengezindhlu za obaba, ngezinkati ezimisiweyo iminyaka ngeminyaka ukubasa pezu kwelati lika Jehova uTixo wetu, njengokulotywe emtetweni.

35 Nokuba si lete imilibo yomhlabati wetu, nemilibo yezitelo zemiti yonke, iminyaka ngeminyaka, endhlini ka Jehova;

36 Namazibulo amadodana etu, na wezilwane zetu njengokulotyweyo emtetweni; nowamazibulo emihlambi yetu, uku i leta endhlini ka Tixo wetu, kubapristi aba konzayo endhlini ka Tixo wetu;

37 Nokuba si lete okokuqala kwempuppu yetu, neminikelo yetu, nezitelo zemiti yezinhlobo zonke, iwaini, namafuta kubapristi, emakamelweni endhlu ka Tixo wetu; nokweshumi komhlabati wetu kubaLevi ukuze labo baLevi ba tole okweshumi emizini yonke yetu.

38 Umpristi wenzalo ka Aroni u ya kuba ndawonye nabaLevi, lapo abaLevi bamkela okweshumi: AbaLevi ba ya kuleta okweshumi lamashumi endhlini ka Tixo wetu, emakamelweni endhlini yemfuyo.

39 Ngoba abantwana baka Israeli kanye nabantwana baka Levi ba ya kuleta umnikelo wamabele, nowewaini elitya, nowamafuta ezindhlini, lapo ku kona izitya ezingewele, nabapristi aba konzayo, nabalindi bamasango, nabahlabeleli: tina a si yi ku yi shiya indhlu ka Tixo wetu.

#### ISAHLUKO 11.

**A**BABUSI babantu ba hlala eJerusalem, abantu abanye benza inkato ukuba ba tate omunye kwaba ishumi a zo hlala eJerusalem, umuzi o ingewele, naba isishiyagalolunye kweminye imizi.

2 Abantu ba bonga bonke abantu abavuma ngenhliziyo ukuhlala eJerusalem.

3 Laba ba izikulu zezwe eza zi hlala eJerusalem: kodwa emizini ya kwaJuda ba hlala kwa ilowo endaweni yake emizini ya kubo, abaIsraeli, abapristi, abaLevi, amaNetini, nabantwana bezincedu zika Solomon.

4 Ba hlala eJerusalem abatle ku bantwana baka Juda, na kubantwana baka Benjamin: na kwaba ka Juda; uAthaia indodana ka Uzia, indodana ka Zekeria, indodana ka Amaria, indodana ka Shefatia, indodana ka Mahalaleli, kubantwana ba ka Perezi;

5 NoMaseia indodana ka Baruki, indodana ka Kolhozi, indodana ka Hazaia, indodana ka Adaia, indodana ka Joiaribe, indodana ka Zekaria, indodana ka Shiloni.

6 Onke amadodana ka Perezi a hlalayo eJerusalem, amaqawe a ngamakulu amane, namashumi a isitupa nesishiyagalombili.

7 Lawa amadodana ka Benjamini, uSalu indodana ka Meshulamu, indodana ka Joeda, indodana ka Pedaiia, indodana ka Kolaia, indodana ka Maseia, indodana ka Itieli, indodana ka Jesaia.

8 Ngasemva kwake uGabai, Salai, amakulu ashiyagalolunye, namashumi amabili nesishiyagalombili.

9 Umbonisi wabo wa e uJoeli indodana ka Zikri; uJuda indodana ka Senua wa e ngwesibili pezu komuzi.

10 Kubapristi; uJedaia indodana ka Jolaribe, uJakini.

11 uSeraia indodana ka Hilkia, indodana ka Meshulam, indodana ka Zadoki indodana ka Meraiote, indodana ka Ahitubi, yena wa e pezu kwendhlu ka Tixo.

12 Abafo wabo abenza umsebenzi wendhlu, ba be amakulu a isishiyagalombili namashumi amabili nambili: noAdaia indodana ka Jerohanu, indodana ka Pelalia, indodana ka Amzi, indodana ka Zekaria, indodana ka Pashure, indodana ka Malkia,

13 Nabafo wabo, aba izikulu kwabadala ba be amakulu amabili namashumi amane nambili: noAmashai indodana ka Azareli indodana ka Ahasai, indodana ka Meshilemoti, indodana ka Ka Imere.

14 Nabafo wabo, amaqawe ikulu namashumi amabili nesishiyagalombili: umbonisi wabo uZabdieli, indodana yomunye kumaqawe.

15 KubaLevi, uShemaia indodana ka Hashube, indodana ka Azrikamu, indodana ka Hashabia, indodana ka Buni;

16 NoShabetai, noJozabade womkulu kubaLevi, be ababonisi bomsebenzi o nga pandhle kwendhlu ka Jehova.

17 uMatania, indodana ka Mika, indodana ka Zabdi, indodana ka Asafa, u yena owa hola ekuqaleni ukubonga ekukulekeni: noBakbukia wesibili kubafo wabo, noAbda indodana ka Shamua indodana ka Galali, indodana ka Jedutuni.

18 Bonke abaLevi aba be semuzini ongwele ba be amakulu amabili, namashumi ashiyagalombili nane.

19 Nabalindi bamasango, oAkuba, no-Talmona, nabafo wabo aba be geina amasango ba be ikulu namashumi a isikombisa nambili.

20 Abaseleyo kubaIsraeli, abapristi, nabaLevi, ba hlala emizini yonke ya kwa Juda kwa ilowo endaweni yake.

21 AmaNetini a hlala eOfele, uZiha, noGispa ba be pezu kwamaNetini.

22 Umbonisi futi wabaLevi eJerusalem kwa kuUzi indodana ka Bani, indodana ka Hashabia, indodana ka Matania, indodana ka Mika, kumadodana ka Asafa, abahlabeleli ba be pezu kumsebenzi wendhlu ka Jehova.

23 Ngokuba kwa ku umyalo wenkosi ngabo, nesimiso esiqinileyo nga bahlabeleli umsebenzi otile wemihla ngemihla.

24 uPetahia indodana ka Meshezabeli, kubantwana ba ka Zera indodana ka Juda, yena wa be isandhla senkosi ezindabeni zonke zabantu.

25 Imizana, namasimu ayo, abanye abantwana baka Juda aba hlala kuyo eKirjatarba, na semizaneni ya kona na seDiboni, na semizaneni ya kona, na seJekabzeli, na semizaneni ya kona,

26 Na seJeshua, na seMolada, na seBethpaleti,

27 Na seHazarshuali, na seBeresheba, na semizaneni ya kona,

28 Na seZiklagi, na seMekona, na semizaneni ya kona,

29 Na seEurimona, na seZaria, na seJamuta,

30 Na seZanoa, eAdalamu, na semizaneni ya kona, eLakisha, namasimu a kona, eAzeka, na semizaneni ya kona. Ba hlala kwa suka eBeresheba kwa za kwa fika emfundeni ya seHinoma.

31 Nabantwana baka Benjamin ba hlala kwa qala eGeba kwa za kwa beka eMikmashi, na seAija, na seBeteli, na semizaneni ya kona,

32 Na seAnatoti, na seNobi, na seAnania,

33 Na seHazoni, na seRama, na seGittaimu,

34 Na seHadidi, na seZebomi, na seNebalate,

35 Na seLodi, na seOno, imfunda yabomsebenzi.

36 Kuba Levi abahluka kwa Juda, na kwa Benjamin.

## ISAHLUKO 12.

**L**ABA ba abapristi, nabaLevi abakupukayo noZerubabeli indodana ka Shealtieli, noJeshua: uSeraia, uJeremia, uEzra,

2 uAmaria, uMaluki, uHatushe,

3 uShekania, uRehume, uMeremote,

4 uIdo, uGineto, uAbija,

5 uMiamina, uMadia, uBilga,

6 uShemaia, noJoaribe, noJedaia,

7 uSala, uAmoke, uHilkia, uJedaia. Laba ba be izikulu zabapristi ne zabafo wabo emihleni ka Jeshua.

8 NabaLevi; uJeshua, uBinui, uKadmieli, uSherebia, uJuda, noMatania wa e pezu kokubonga, yena nabafo wabo.

9 NoBakbukia noUui, abafó wabo ba be malungana nabo ekulindeni.

10 uJeshua wa m zala uJoiakimu, uJoiakimu wa zala uEliashibe, uEliashibe wa zala uJoiada,

11 uJoiada wa zala uJonatani, uJonatani wa zala uJadua.

12 Emihleni ka Joiakimu ba be kona abapristi, izikulu za oyise: ka Seraia, uMeraia; ka Jeremia, uHanania;

13 Ka Ezra, uMeshulamu; ka Amaria, uJehohanani;

14 Ka Meliku, uJonatani; ka Shebania, uJosefa;

15 Ka Harimo, uAdna; ka Meraiote, uHelkai;

16 Ka Ido, uZekaria; ka Ginetone, uMeshulamu;

17 Ka Abija, uZikri; ka Miniamina, ka Moadia, uPiltai;

18 Ka Bilga, uShamua; ka Shemaia, uJehonatani;

19 Ka Joiaribe, uMatenai; ka Jedaia, uUzi;

20 Ka Salai, uKalai; ka Amoke, uEbere;

21 Ka Hilkia, uHashabia; ka Jedaia, uNetaneli.

22 AbaLevi emihleni ka Eliashibe, uJoiada, uJohanani, noJadua ba be baliwe ngenzekulu za oyise: futi nabapristi kwa za kwa busa uDariasu umParasi.

23 Amadodana ka Levi, izikulu za oyise a e baliwe encwadini yamagama, kwa za kwa ba semihleni ka Johanani indodana ka Eliashibe.

24 Izikulu zabaLevi, uHashabia, uSherebia, noJeshua indodana ka Kadmieli, nabafo wabo ba be malungana nabo ukudumisa nokubonga, njengomyalo ka Davida umuntu ka Tixo.

25 uMatania noBakbukia, uObadia, uMeshulamu, uTalmona, uAkuba, ba be linda ezindhlini zemfuyo zamasango.

26 Laba ba be kona emihleni ka Joiakimu, indodana ka Jeshua, indodana ka Jozadake na semihleni ka Nehemia umbusi na kwe ka Ezra umpristi umbali.

27 Ekwahlukanisweni kodonga lwa seJerusalema ba funa abaLevi ezinda-

weni zonke zabo, ukubayisa eJerusalema ukwenza umhlangano wokwahlukanisa ngokujabula, nokubonga na ngokuhlabelela, ngeziinkohlisa, nemiqangala nezingubu.

28 Amadodana abahlabeleli a butana e vela etafeni elizungeze iJerusalema, na semizaneni ya seNetofati,

29 Na sendhlini ka Gilgali; na semasimini a seGeba, neAznavete: ngoba abahlabeleli ba be zakele imizana nga seJerusalema:

30 Abapristi nabaLevi ba zahlukanisa ba hlambulula nabantu, namasango, nodonga.

31 Kona nga kupulela amakosana a kwa Juda odongeni, nga misa amabandhla amabili amakulu, ababongayo, elinye la kupuka odongeni nga kwesokunene la bheka esangweni lezala.

32 Ngasemva kwabo kwa hamba uHoshaja nenxenye yamakosana a kwa Juda,

33 NoAzaria, noEzra, noMeshulamu,

34 NoJuda, noBenjamini, noShemaia, noJeremia,

35 Nabamadodana abapristi be pete amatilongo, uZekaria indodana ka Jonatani, indodana ka Shemaia, indodana ka Matania, indodana ka Mikaia, indodana ka Zakure, indodana ka Asafa:

36 Nabafo wabo, uShemaia, uAzraeli, uMilalai, uGilalai, uMai, uNetaneli, uJuda, noHanani, be pete izingubu zika Davida umuntu ka Tixo, noEzra umbali e pambi kwabo.

37 Na pezu kwesango eli pambi kwabo, ba kupuka ngezikwelo za semuzini ka Davida, ekwenyukeni kodonga, nga senhla kwendhlu ka Davida, kwa za kwa fika esangweni lamanzi, ngasempumalanga.

38 Nelinye ibandhla lababongayo la hamba malungana nabo, mina nga ba landela nenxenye yabantu ukukupuka odongeni, kwa suka embotyongweni wamaziko kwa za kwa fika odongeni olu banzi.

39 Ba dhlula isango lika Efraimi, nesango elidala, nesango lezinhlanzi; nombotyongo ka Hananeli, nombotyongo ka Mea, ba za ba fika esangweni lezimvu: bema esangweni letilongo.

40 Ema kanjaloke amabandhla amabili abo ababongayo endhlini ka Tixo: nami kanye nenxenye yababusi.

41 Nabapristi; uEliakimu, uMeseia, uMiniimini, uMikaia, uElieonai, uZe-

karia, noHanania, be pete amatilongo;

42 NoMaseia, noShemaia, noEleazari, noUzi, noJehohanani, noMalkija, noElami, noEzere. Abahlabeleli ba hlabelela be zwakalisa amazwi abo, noJezrahia umbonisi wabo.

43 Ngalolo suku ba nikela iminikelo emikulu ba jabula ngokuba uTixo wa e benzile ba jabule ngokujabula okukulu nomkabo nabantwana ba jabula futi: njalo ukutokoza kwa seJerusalema kwezwakala kude.

44 Ngaleso sikati kwa ku miswa abantu abatile ukuba ba geine izindhlu zemfuyo, nezeminikelo nemilibo, nezitelo zamashumi, ukuba ba butele njengamasimu emizi, izabelo ezimiselwe abapristi nabaLevi ngomteto: ngokuba uJuda wa jabula ngenxa yabapristi nabaLevi abakonzayo.

45 Nabahlabeleli nabalindi bamasango, ba geine ukulinda kuka Tixo wabo, nokulinda kokahlambulula njengomteto ka Davida noSolomona indodana yake.

46 Ngokuba emihleni ka Davida neka Asafa, aba sendulo kwa ku kona izinduna zabahlabeleli, amagama okudumisa noku m bong'a uTixo.

47 AbaIsraeli bonke emihleni ka Zerubabeli, na semihleni ka Nehemia, ba nikela izabelo zabahlabeleli nabalindi imihla ngemihla ku ilowo isabelo sake: ba hlukanisela abaLevi okungowele; nabaLevi ba hlukanisela inzalo ka Aroni.

### ISAHLUKO 13.

**N**NGALOLOLOSUKU ba funda enwadini ka Mosi ezindhlebeni zabantu okwa ku lotyiwe kuyo ukuti, amaAmoni namaMoabi, ba ngeze ba ngena ehlanganweni ka Tixo.

2 Ngokuba be nga hlangabezanga abantwana baka Israeli ngesinkwa namanzi, kepa ba kokela uBalami ukuba a ba qalekise, kepa uTixo wetu wa pendula ukuqalekisa kwake ku be inhlahlhla.

3 Kwa ti lapo se be u zwile umteto, ba hlukanisa kubaIsraeli abantu aba xubene nabo.

4 Pezu kwako konke loku uEliashibe umpristi e misuwe pezu kwamakamela endhlu ka Tixo wetu, wa hlangana noTobia:

5 Wa be e m lungisele indawo enkulu lapo ngezikati ezi pambili, kwa ku be kwa kona iminikelo yokudhla, impepo, izitya, nokweshumi kwamabele, newai-

ni elitya, namafuta okwa ku menyezelewe ukunikelwa kubaLevi, nabahlabeleli, nabalindi bamasango; neminikelo yabapristi.

6 Kepa ngaso sonke lesikati nga ngi ngeko mjina eJerusalema: ngokuba ngomnyaka wamashumi amatatu nambili ka Artasata inkosi ya seBabulona, ngeza enkosini na sekupeleni kwezinsuku ezitile nga vunyelwa inkosi.

7 Ngeza eJerusalema: ngezwa okubi uEliashibe a kwenzele uTobia lapo e m lungisele indawo ebaleni lendhlu ka Tixo.

8 Loku kwa ngi hlupa kakulu: ngako nga i kipa impahla ka Tobia yonke, ku leyondhlu.

9 Njalo nga tyo, ba lungisa ba hlanza lezo zindawo: nga buyisela kona izitya zendhlu ka Tixo, neminikelo yokudhla, nempepo.

10 Nga bona ukuba izabelo zabaLevi aba zi nikwanga: ngokuba abaLevi nabahlabeleli abasebenzayo ba se be balekile kwa ilowo wa ya ensinini yake.

11 Kona nga kulumisana nababusi nga ti ini ukuba indhlu ka Tixo i shiywe nje? Nga ba hlanganisa, nga ba beka ezindaweni zabo.

12 Konake abaJuda bonke ba leta okweshumi kwamabele newaini elitya namafuta endhlini yemfuyo.

13 Nga ba misa abagcini bemfuyo pezu kwendhlu yemfuyo, uShelemia umpristi, uZadoki umbali, kubaLevi, uPedaia; nga ku bona uHanani indodana ka Zakuri, indodana ka Matania, ngokuba kwa tiwa abatembekayo, kwa ku umsebenzi wabo ukwabela abafu wabo.

14 Ngi kumbule Tixo wami nga leyo nto, u ngesuli izenzo zami ezinhle, e ngi zenzile endhlini ka Tixo wami, nezindawo zayo.

15 Nga leyo mihla nga bona ngesabata abanye be nyatela izikamo zewaini, be leta izitungu zamabele, be twesa izimbongolo; newaini nezitelo zevini namakiwane, nemitwalo yonke, aba be yi ngenisa eJerusalema ngesabata: nga ba sola ngosuku aba tengisa ngalo ukudhla.

16 Kwa ku hlala kona futi abantu ba seTire, aba leta izinhlanzi, nempahla eningi, ba tengisa ngayo kubantwana ba kwa Juda, na seJerusalema.

17 Kona nga kulumisana nezikulu zakwa Juda, nga ti kuzo, Ini kona loku okubi e nikwenzayo, nona usuku lwesabata na?

18 Oyihlo benu a benzanga ini okunje, noTixo wetu a kwehlisanga konke loku okubi pezu kwetu, na pezu kwa lomuzi na? Noko nina ni se hlisela ulaka olunye kuba Israeli ngokona isabata.

19 Kwa ti lapo amasango a seJerusalema e se qala ukwenza amatunzi ku nga ka fiki isabata, nga tyo ukuba amasango a valwe, nga ti a nga vulwa ko ze ku dhlule isabata: nga misa izinceku zami emasangweni ukuba ku nga ngeniswa umtvalo ngesabata.

20 Njaloke abatengisayo nabatengi bempahla yonke ba hlala nga pandhle komuzi wa seJerusalema kanye kabili.

21 Kona nga ba sola nga ti kubo, ni hlalalani ngasodongeni na? Uma ni buye nenze njalo ngo ni bamba. Ngase-mva kwaloku ka ba pindange beze ngesabata.

22 Nga yala abaLevi ukuba ba zihlambulule beze ba wa linde amasango, ukwahlukanisa usuku lwesabata. Ngi kumbule Tixo wami na nga lento, u ngi haukele njengomusa wako omkulu.

23 Nga lezo zinsuku nga bona abaJuda aba be ganwe izintombi za seAshdodi ne za seAmoni ne za seMoabi:

24 Abantwana babo ba kuluma ulimi lwa seAshdodi, incozana, be nge nako

ukukuluma ulimi lwabaJuda, ba kuluma no ezilimi zabantu ngabantu.

25 Nga ba tetisa, nga ba tuka, nga tyanya abanye babo, nga ba sipula izinwele, nga ba fungisa uTixo, nga ti, Ni nga niki amadodana abo izintombi zenu, ni nga tabateli amadodana enuzintombi zabo, ni nga zitabateli zona nani.

26 uSolomona inkosi yabaIsraeli a konanga ini nga lezizinto na? Kepa ezizweni eziningi ya i ngeko inkosi e fana naye, o wa e tandeka kuTixo wake, uTixo wa m misa a be inkosi yabaIsraeli bonke: kepa naye woniwa abafazi bezizwe.

27 Tina po so lalela nina, senze okubi loku okukulu, sone kuTixo wetu, ngokutata abafazi bezizwe na?

28 Omunye wamadodana ka Joiada, indodana ka Eliashibe umpristi omkulu, wa e umkwenyana ka Sanbalati umHironi: ngako nga m xotya.

29 Ba kumbuleTixo wami ngokuba ba ngecolisile ubupristi, nesivumelwano sabapristi, nesabaLevi.

30 Njaloke nga ba hlukanisa kwa bezizwe bonke, nga misa izindawo zabapristi, nabaLevi, ku be ilowo emsebenzini wake.

31 Nomnikelo wezinkuni, ngesikati ezimisiweyo, nezemilibo. U ngi kumbule Tixo wami ngokuhle.

## INCWADI KA

# ESETERE.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ti ezinsukwini zika Ahashurosi: (lo u nguye uAhashurosi o wa busa ku suka eIndia ku ze ku fike eKushi pezu kwamazwe a ikulu namashumi amabili nesikombisa.)

2 Ngalezi zinsuku inkosi uAhashurosi e hlezi esihlalweni sobukosi bake, esa seShushani isigodhlo:

3 Ngomnyaka wesitatu wokubusa kwake wenzela amakosana onke ake nezinceku zonke zake idili; amandhla a seParasi na seMadai, izinduna, nabakulu bamazwe, be pambi kwake.

4 Lapo wa bonisa ukuceba kobukosi bombuso wake, nodumo lokupakama kwake okudhlulayo izinsuku eziningi;

kwa ba izinsuku ezi kulu namashumi a isishiyagalombili.

5 Se zi pelile lezizinsuku inkosi ya lenza idili elabantu bonke aba funyanwa eShushani inqaba, abakulu nabancinyane izinsuku ezi isikombisa ebaleni lensimu yenqaba yenkosi.

6 Lapa kwa ku kona izipanyeso ezimhlope, eziluhlaza nezibomvu zi botyewe ngezintambo zelineni elibomvu emasangweni esiliva ezinsikeni zamatye; imibede ya i yigolide nesiliva i pezu kokugandayiweyo ngamatye aluhlaza, nabomvu, namhlope, namnyamana.

7 Kwa puzwa kona ngezitya zegolide ezi hlukeneyo esinye kwesinye newaini elihle eliningi njengobukosi benkosi.



8 Ukupuza kwa ku njengokomteto: a ku cindezelwanga muntu; ngokuba inkosi ya i misile kanjalo ezinduneni zonke zendhlu yayo, ukuba benze nje-  
ngentando yabantu bonke ngabanye.

9 Naye uVashti inkosikazi wa benze-  
la abesifazana idili enqabeni yenkosi uAhashurosi.

10 Kwa ti ngolwesikombisa usuku, inhliziyi yenkosi i si mnandi iwaini ya ti kubo, oMehumane, noBiztha, noHabona, noBigtha, noAbagta, noZeta, noKakasi izinduna ezi isikombisa e za kona ngapambi kwenkosi uAhashurosi,

11 Ma ba ngenise ngapambi kwenkosi inkosikazi, e gqoke isigqoko sobukosi ukuba ba bonise abantu, namakosi ubuhle bake, ngokuba wa e bukeka.

12 Inkosikazi uVashti ya nqaba ukuza njengokutyo kwenkosi o kwa ku ngesandhla sezinduna zayo. Ngako inkosi ya kutelala nolaka lwayo lwa vuta pakati kwayo.

13 Kona inkosi ya ti kwabahlakanipileyo izazi zesikati (ngokuba be li njalo izwi lenkosi ebusweni babo bonke abaziyo umteto, nokwaba.

14 Nabo aba seduze naye ba be uKashena, uSheta, uAdmata, uTashishi, uMeresi, uMarsena, noMemukani izikulu ezi isikombisa za seParsi neMadai eza zi bona ubuso benkosi eza zi hlala ku qala embusweni.)

15 Si ya kwenzani enkosikazini uVashti njengokomteto ngokuba a ka lenzanga izwi lenkosi uAhashurosi ela li ngesandhla seziduna zayo.

16 uMemukani wa pendula wa ti ebusweni benkosi nezinduna; uVashti inkosikazi a konile kupela inkosi, kodwa namakosana onke, nabantu bonke, aba semazweni onke a kaAhashurosi inkosi.

17 Ngoba lokukwenza kwenkosikazi ku ya kuzwakala kwabesifazana bonke, ba ti ba dele amadoda abo, emehlweni abo, lapo ku ya kubikwa ukuti inkosi uAhashurosi ya tyo ukuba inkosikazi uVashti i ngeniswe pambi kwayo, kodwa a kezanga.

18 Namakosikazi a seParasi na seMadai a za kutyo njalo namhla kumakosana a zwileyo ngokwenza kwenkosikazi. Ku ya kutike ku vuke ukudelela okukulu nolaka.

19 Uma ku kuhle enkosini ma li pume izwi lobukosi li vele kuyo, ma li lotywe pakati kwemiteto yamaParasi namaMa-

dai li nga guqulwa lokuti uVashti a nga pindi a ngeni pambi kwenkosi uAhashurosi, nenkosi ma i niki ifa layo lobukosi komunye. olungile ku naye.

20 Lapo umteto wenkosi, i za ku wenza, u ya kumenyazelwa embusweni wonke wayo (ngokuba umkulu) abafazi bonke ba ya kuhlonipa amadoda abo amakulu namancinyane.

21 Lelezwi la ba lihle emehlweni enkosi nezikulu: inkosi yenza njengezwi lika Memukani.

22 Ya ti ya tuma izinewadi emazweni onke enkosi kwa ba i ku lelezwe njengokubala kwalo, na kubantu bonke njengokukuluma kwabo, zokuba ku be i lowo muntu a buse endhlini yake; nokuba ku menyazelwe njengolimi lwabantu bonke.

## ISAHLUKO 2.

NGASEMVA kwa lamazwi, ulaka lwenkosi uAhashurosi se lu bohile, ya m kumbula uVashti, loku okwa kwenziwa uye, naloku o kwa ku nqunyiwe ngaye.

2 Za ti izinceku zenkosi eza zi kona kuyo, ma ku funelwe inkosi izintombi ezintya, ezibukekayo:

3 Inkosi ma i mise izinduna emazweni onke ombuso wayo, ukuba zi butele ndawonye izintombi zonke ezintya, ezibukekayo eShushani inqaba endhlini yabesifazana pansi kwesandhla sika Hege induna yenkosi, umlindi wabesifazana, ma zi piwe zona izinto zokuhlambulula zazo.

4 Ma ku ti intombi e i kolayo inkosi i be inkosikazi esikundhleni sika Vashti. Lelizwi la ba lihle enkosini; yenza njalo.

5 Kwa ku kona eShushani enqabeni, umuntu o tile umJuda ogama lake la li uMordekai indodana ka Jaire indodana ka Shimi, indodana ka Kishi umBenjami.

6 O wa e tunjiwe eJerusalema kanye nabatunjwayo a ba be tunjiwe noJekonia inkosi ya kwa Juda, uNebukadnezari inkosi ya seBabulona.

7 Yena wa mondhla uHadasa, o ngu-Esetere indodakazi ka yisekazi; ngokuba wa ye e nge nayise e nge nanina, intombi e ya be inhle i bukeka; okwa ti se be file oyise nonina uMordekai wa i pata, ku nga ti indodakazi yake.

8 Kwa ti lapa se li zwakele izwi lenkosi nomyalo wayo, na lapa izintombi ezini-

ngi se zi butelwe eShushani inqaba ze lindwe uHege noEsetere wa letwa endhlini yenkosi ekulindeni kuka Hege umlini wabesifazana.

9 Ya ti fumamba ya ba inhle emehlweni ake, ya funama umusa kuye, wa tyetya wa yi nika oko ku yi hlambulula kanye nazo izabelo zayo, nezintombi ezi isikombisa e za zi vela endhlini yenkosi e za zi fanele ukuphiwa zona, wa yi beka yona nezintombi zayo endaweni enhle endhlini yabesifazana.

10 uEsetere wa e nga batyongo abantu ba kubo nesizalo sa kubo, ngokuba uMordekai e be m yalile ukuba a nga ba tyo.

11 Wa ti uMordekai wa hamba imihla ngemihla ebaleni pambi kwendhlu yabesifazana ukuba azi ukuhlala kuka Esetere.

12 Kwa ti lapa se ku fike isikati sezintombi zonke sokungena ngazinye enkosini uAhashurosi, emva kwa loko, kwa ba izinyanga ezi ishumi nambili njengomteto wesifazana (ngokuba za zi fezwa kanjalo izinsuku zokuhlajjululwa kwazo; ku be izinyanga ezi izitupa, kwenziwa ngamafuta emure nezinyanga ezi isitupa ngamaka amnandi na nga loko oko ku hlambulula kwabesifazana.)

13 Konake zonke izintombi ze za enkosini ngazinye, konke e ya i ku funa ya ku nikwa ukuba i pume nako endhlini yesifazana i ye endhlini yenkosi.

14 Ya i hamba kusihlwa i buye kusasa i ya endhlini yesibili yabesifazana ekulindeni kuka Shasgazi induna yenkosi e ya i linda abafazi benkosi i nga pindi i ye enkosini uma inkosi i bi nga kolwanga iyo noma i bi nga bizwanga ngegama.

15 Ku te lapa se ku isikati sika Esetere indodakazi ka Abahaieli uyisekazi ka Mordekai a be i tatile i be eyake, se ku ngenwa enkosini, a ka funanga luto kupela loku uHege induna yenkosi umlini wabafazi a be ku tyilo: uEsetere wa zuza umusa ebusweni babo bonke aba m bonayo.

16 uEsetere wa yiswa kuyo inkosi uAhashurosi endhlini yobukosi ngenyanga yeshumi e nguTebeti, ngonyaka wesikombisa wokubusa kwake.

17 Inkosi ya m tanda uEsetere ku nabo bonke abesifazana, wa zuza umusa notando emehlweni ake ku nazo zonke izintombi: kwa ti wa beka isigqoko sobukosi pezu kwekanda lake; wa m

misa a be inkosikazi esikundhleni sika Vashiti.

18 Ya ti inkosi yenzela izikulu zayo zonke, nezinceku zayo idili elikulu, idili lika Esetere yenzela amazwe ukupumula, ya pa izipo njengobukulu benkosi.

19 Kwa ti lapa izintombi za butwa ngokwesibili uMordekai wa be e hlezi esangweni lenkosi.

20 uEsetere wa be e nga ka si tyo isizalo sakubo nabantu bakubo, njengokuba uMordekai wa be m yalile; uEsetere wenza izwi lika Mordekai njenga lapo e sa mondhla.

21 Ngalezo zinsuku uMordekai e sa hlezi esangweni lenkosi, izinduna zenkosi ezimbili uBigtane noTereshhe kuzo eza zi linda umnyango za tukutela za funa ukubeka izandhla pezu kwenkosi uAhashurosi.

22 Ya ti indaba yaziwa uMordekai o wa yi bika kuEsetere inkosikazi, uEsetere wa yi tyela inkosi, egameni lika Mordekai.

23 Se i hloliwe lendaba; ya funyanwa i njalo; ngakoke bobabili ba panyekwa emtini: kwa lotywa enwadini yemisebenzi yemihla pambi kwenkosi.

### ISIAHLUKO 3.

**N**GASEMVA kwa lawa mazwi inkosi uAhashurosi wa m kulisa uHamani indodana ka Hamedatha umAgagi ya m pakamisa ya misa isihlalo sake si be pezu kwezikulu zonke eza zi naye.

2 Za ti izinceku zonke zenkosi e za zi sesangweni lenkosi za guqa pansi za m kotamela uHamani ngokuba inkosi i bi yalile kanjalo ngaye: kodwa uMordekai a ka guqanga a ka m kotamelanga.

3 Izinceku zenkosi e za zi ngasesangweni lenkosi za ti kuMordekai weqelani umteto wenkosi na?

4 Kwa ti, ngokutyo kwazo kuye imihla ngemihla nokungalaleli kwake kuzo za ze za bika kuHamani ukuba zi bone uma izwi lika Mordekai li ngema ugokuba wa e ba tyelile ukuti u ngumJuda.

5 Lapo uHamani wa bona ukuba uMordekai a ka guqanga, ka zitobi kuye wa gwala ulaka.

6 Kwa deleleka emehlweni ake ukubeka isandhla kuMordekai yedwa; ngokuba ba se be m tyelile isizwe sa kubo ka Mordekai ngaloko uHamani wa funa ukubulala abaJuda bonke aba be sembusweni wonke ka Ahashurosi aba kubo ka Mordekai:

7 Ngenyanga yokuqala uMisani ngo-nyaka weshumi nambili wenkosi uAhashurosi benza iPuri oku ukuti inkato ebusweni buka Hamani imihla ngemihla, izinyanga ngezinyanga kwa za kwa ba e yeshumi nambili e nguAdare.

8 uHamani wa ti enkosini uAhashurosi si kona isizwe esitile, esihlakazekile, esixubene nabantu emazweni onke ombuso wako : imiteto yabo ya hlukeneyabantu bonke, bona aba yi londi imiteto yenkosi, ngako a ku fanele inkosi ukuba i ba yeke.

9 Uma ku kuhle enkosini ma ku lo-tywe ukuba ba bujiswe mina ngi ya kukoka ezandhleni zabapati umsebenzi amatalenta a yizinkulungwane ezi ishumi esiliva ukuba ba wa lete esikwameni senkosi.

10 Inkosi ya kunula indandato yayo esandhleni sayo ya i nika uHamani indodana ka Hamadatha umAgagi, isita sabaJuda.

11 Inkosi ya ti kuHamani isiliva li e lako nabantu futi enza kubo njengokuba ku kuhle emehlweni ako.

12 Konake ababali benkosi ba bizwa ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nantatu lwayo, kwa balwa njengako konke a ku yalayo uHamani kubo abenkosi aba busayo nakuzo izinduna eza zi pezu kwamazwe onke na kuzo izikulu zabantu bonke bamazwe njengokubalwa kwawo, nakubo abantu bonke nje ngolimi lwabo : egameni lika Ahashurosi kwa balwa kwa cindezelwa ngendandato yenkosi.

13 Za ti izinewadi za tunywa ngesandhla sezigijimi emazweni enkosi onke ukucita, ukubulala, nokububisa, abaJuda bonke abatya kanye nabadala, abantwana nabafazi, ngosuku lunye, ngolweshumi nantatu lwenyanga yeshumi nambili e inyanga uAdare nokutata okupangwayo kwabo ku be impango yabo.

14 O kwa tyiwo, okubaliweyo, kwa ku umteto wokunikwa amazwe onke a za kunikwa kubantu bonke ukuba ba lungele lolosuku.

15 Izigijimi za puma, zi tyetyiswa izwi lenkosi : nomteto wa vela enqabeni eShushani. Inkosi noHamaui ba hlala pansi ukupuzo, kodwa umuzi iShushani wa dinga ukwenza njani.

#### ISAHLUKO 4.

UMORDEKAI e sazi konke okwenzekileyo wa dabula izingubo zake wa-

mbata indwangu yokulila, kanye nomlota, wa pumela pakati komuzi, wa kala ngokukala okukulu okunosizi.

2 Wa ti weza napambi kwesango lenkosi : ngokuba namunye o nga ngena pakati kwesango lenkosi embete indwangu yokulila.

3 Emazweni onke lapa izwi lenkosi nomteto wayo kwa fika kona, kwa ba kona ukulila okukulu, pakati kwabaJuda, nokuzila ukudhla, nokukala nokutyaya isifuba nabaningi ba lala pansi bembete indwangu yokulila nomlota.

4 Izinduna zika Esetere nezineekukazi zake ze za za m tyela ; konake inkosikazi ya dabuka kakulu : ya tumela kuMordekai ingubo ukumvatisa nokususa indwangu yokulila kuye, a ka yamkelanga.

5 uEsetere wa biza uHatake kuzo izinduna zenkosi o wa miswa ukukonza kuye wa m yala ngoMordekai ukuba azi ku intoni ? nokuba ku ngani na ?

6 uHatake wa pumela wa ya esitaladini somuzi esipambi kwesango lenkosi :

7 uMordekai wa m tyela konke o be kumehlele nemali uHamani a e tembisile uku yitela esikwameni senkosi ngabaJuda ukuba ba bujiswe.

8 Wa m nika futi inewadi yombalo womteto o wa vela eShushani ukubabubisa ukuba a yi bonise uEsetere nokumyala ukuze a ngene enkosini ukubandazela nokucelela abantu ba kubo ebusweni bayo.

9 uHatake weza, wa m tyela uEsetere amazwi aka Mordekai.

10 uEsetere wa kuluma kuHatake wa yala ngoMordekai ngokuti,

11 Izinceku zonke zenkosi nabantu bonke bamazwe enkosi ba yazi, ukuba o ngenayo enkosini endhlini pakati, noma o indoda, noma o ngumfazi, e nga bizwanga iyo u kona umteto wayo munye ukumbulala : kupela lowo inkosi e mpakamisela intonga yegolide ukuba a pile kantike mina a ngi bizwanga ukuba ngi ngene enkosini nga lezinsuku ezi mashumi matatu.

12 Ba m tyela uMordekai amazwi aka Esetere.

13 uMordekai wa ti pendulani kuEsetere ni ti u nga cabangi enhliziyweni yako ukuti u ya kusinda u sendhlini yenkosi ku nabaJuda bonke.

14 Ngokuba uma u tula impela ngalesikati ku ya kuti ukukululwa nokusi-

nda kwabaJuda ku vele kwenye indawo, kanti wena, nendhlu ka yihlo ni ya ku bujiswa, ubani owaziyo ukuba a u fikile embusweni ngenxa yesikati esinje na?

15 uEsetere wa ba yala, ba pendule ba ti kuMordekai,

16 Hambani ni ye ni bute abaJuda bonke aba nga funyanwa eShushani ndawonye ni zile, ni nga dhli, ni nga puzi, izinsuku ezintatu, imini, nobusuku nami nezincekukazi zani si ya kuzila futi; ngakoke ngi ya kungena enkosini oku nge ngomteto, uma ngi buba, ngi ya kububa.

17 uMordekai wa hamba endhlini yake wenza njengako konke uEsetere a be m yale ngako.

### ISAHLUKO 5.

**K**WA ti ngosuku lwesitatu uEsetere wambata ingubo yobukosi wema ebaleni elipakati kwendhlu yenkosi eli bekene nendhlu yenkosi: Inkosi ya be i hlezi pezu kwesihlalo sobukosi esigodhlweni esi bekene nesango lendhlu.

2 Kwa ti lapo inkosi i bona uEsetere inkosikazi e mi ebaleni, wa zusa umusa emehlweni ayo: nenkosi ya m pakamisela uEsetere, intonga yegolide e ya i sesandhlени sayo.

3 Njalo uEsetere wa sondela wa nama-ta isihloko sentonga. Inkosi ya ti kuye Ku ini kuwe nkosikazi Esetere na? Ukucela kwako ku ini na? U ya kunikwa nokuba ku inxenye yombuso.

4 uEsetere wa pendula wa ti, uma ku kuhle enkosini ma i ze inkosi noHamani namhlanje edilini e ngi li lungisele yona.

5 Ya ti inkosi tyetyisa uHamani ukuba enze njengezwi lika Esetere. Njalo inkosi noHamani beza edilini uEsetere a be li lungisile.

6 Ya kuluma inkosi kuEsetere edilini lewaini ya ti isicelo sako si ini na? U ya kusinikwa, okucelayo ku ini na? Ku ya kwenziwa noma ku inxenye yombuso.

7 Wa pendula uEsetere wa ti isicelo sami nomtandazo wami ku ukuti.

8 Uma ngi zuzile umusa emehlweni enkosi noma ku lungile enkosini uku ngi pa isicelo sami nokwenza njengokukuleka kwami ma i ze inkosi noHamani edilini e ngi ya ku li lungisela bona nami ngo kwenza ngomso njengokwehliziyo yenkosi.

9 uHamani wa puma e hamba nga lusuku ngokujabula na ngenhliziyo enhle; kodwa lapo wa m bona uMordekai e sesangweni lenkosi e nga suki e nga tutumeli ngaye kona uHamani wa gewala ulaka ngenxa ka Mordekai.

10 Noko wa zikuzi, ekufikeni kwake ekaya wa tumela, wa biza izihlobo zake noZereshi umkake.

11 uHamani wa ba tyela ngobukosi bokuceba kwake, nobuningi habantwana bake nako konke inkosi e bi m kulisile ngako; nokuba i m pakamisile pezu kwamakosana nezinduna zonke nenkosi.

12 uHamani wa ti, yebo, uEsetere inkosikazi a ka vumanga namunye umuntu a ngene kanye nenkosi edilini a be li lungisile; imina kupela; na ngomso mina ngi bizwe uye futi kanye nenkosi.

13 Noko, konke loku a ku lingani naluto kuso sonke isikati e ngi bone ngaso uMordekai e hlezi esangweni lenkosi.

14 uZereshi umkake, nabo aba izihlobo zake bonke ba ti kuye, ma kwenziwe umuti ubude bawo ku be izingalo ezi amashumi a isihlanu nawe u kulume enkosini ngomso ukuba uMordekai a panyekwe pezu kwawo wenake u ngene ngokujabula kanye nenkosi edilini. Lelozwi la ba libhe ebusweni buka Hamani, wa wenza umuti.

### ISAHLUKO 6.

**N**GA LOBO busuku ubutongo benkosi be muka kuyo, ya ti ma i letwe incwadi yezikumfuzo zamazwi emihla; yona ya fundwa ebusweni benkosi.

2 Kwa funyanwa ku lotywe kona, ukuti uMordekai wa bika ngabo oBigtane noTereshе, izinduna ezimbili zenkosi: abalindi bomnyango; aba funa ukubeka isandhla enkosini uAhashurosi.

3 Ya ti inkosi ngenxa yaloku uMordekai wamkelisiwe udumo nobnkulu buni na? Izinduna zenkosi eza zi konza kuyo za ti a kenzelwanga luto.

4 Ya ti inkosi ubani o kona ebaleni na? Kaloku uHamani wa e se ngenile ebaleni eli nga pandhle kwendhlu yenkosi ukucela enkosini ukuba ku panyekwe uMordekai emutini a be u lungisile yena.

5 Izinceku zenkosi za ti kuyo bhaka uHamani u mi ebaleni. Ya ti inkosi ma ke a ngene.

6 uHamani wa ngena. Inkosi ya ti kuye ku ya kwenziwa ntoni ku lomu inkosi e tanda ukuudumisa na?

Wa ti uHamani enhliziyweni yake mupi umuntu inkosi e tanda ukudunyiswa kwake ngapandhle kwami na?

7 uHamani wa ti enkosini umuntu inkosi e tanda ukuba a dunyiswe,

8 Ma ba lete ingubo yobukosi; e vatwa inkosi, nehashi inkosi e kwela kulo, nesigqoko sobukosi esi bekwa pezu kwehlohlo yayo:

9 Ma ku nlike lengubo, nalelhashi, esandhleni somuntu o wezinduna ezinkulu zenkosi ukuba ku vatiswe lowo muntu inkosi e tanda ukudunyiswa kwake, a ziswe, e kwele pezu kwehashi endhleleni yomuzi, ma ba memeze pambi kwake, ngokuti ma kwenziwe nje kumuntu inkosi e tanda ukumdumisa.

10 Inkosi ya ti kuHamani tyetya u tate ingubo nehashi njengokutyo kwako wenze njalo kuMordekai umJuda o hleziyo esangweni lenkosi: ma ku nga puti nalinye izwi kuko kouke o ku tyiloyo.

11 uHamani wa yi tabata ingubo nehashi wa m vatisa uMordekai wa m kwelisa ehashini esitaladini esibanzi somuzi, kwa menyezwa nga pambi kwake ukuti, Ku ya kwenziwa njalo kumuntu inkosi e tanda ukudunyiswa kwake.

12 uMordekai wa buya weza esangweni lenkosi; uHamani wa tyetya wa ya endhlini e dabukile e mboze ikanda lake.

13 uHamani wa tyela uZereshi umkake nezihlobo zonke konke o kwa kumehlele. Abahlakanipileyo bake, nomkake ba ti kuye, uma uMordekai u ngo wenzalo yabaJuda nga pambi kwake u su qale ukuwa, a ku sa yi ku ma, u ya kuwa pambi kwake impela.

14 Be sa kuluma naye, kweza izinduna zenkosi za tyetyisa uHamani eze edilini uEsetere a be li lungisile.

#### ISAHLUKO 7.

**N**GAKO, inkosi noHamani beza edilini noEsetere inkosikazi.

2 Ya buya inkosi ya ti ngomhla wesibili be sedilini lewaini, ukucela kwakosikazi Esetere ku ini na? Ku ya kukunikwa wena; nokukuleka kwako ku ini na? ku ya kwenzeka nokuba inxenye yombuso.

3 uEsetere inkosikazi ya pendula ya ti uma ngi zuzile umusa emehlweni ako nkosi uma kulungile enkosini ma ngi piwe ukupila kwami ngokukuleka kwami nabantu bakiti ngokucela kwami.

4 Ngokuba si tengisiwe mina, nabantu ba kiti ukuba si citwe, si bulawe, si bu-

jiswe. Uma sa be si tengisiwe si be abantu ababotyiweyo nabafazi ababotyiweyo nga ngi tulile nga ti du nomia o isita setu e nge linganise okoniwayo kwenkosi.

5 Konake inkosi ya pendula, ya ti kuEsetere inkosikazi, ubani yena? u pina? o nesibindi enhliziyweni yake sokwenza loku na?

6 Wa ti uEsetere o pambana nati no isita setu uye lo uHamani omubi. Kona uHamani wesaba ngapambi kwenkosi nenkosikazi.

7 Inkosi yesuka edilini lewaini olakeni lwayo ya ya ensimini yesigodhlo: uHamani wesuka uku zicelela ukupila kwake kuEsetere inkosikazi: ngokuba wa e se bonile ukuti ububi se bu nqunywe inkosi ngaye.

8 Ya buya inkosi i vela ensimini yesigodhlo ye za endaweni yokupuza iwaini, wa e se wele uHamani pezu kombede uEsetere o wa e hlezi kuwo. Ya ti inkosi, u ya kuyona nenkosikazi e namindhlini na? Li sa puma izwi emlonyeni wenkosi ba mboza ubuso buka Hamani.

9 uHabona omunye wezinduna wa ti ebusweni benkosi bheka umuti ubude bawo pezulu izingalo ezi amashumi a yisihlanu uHamani o wa e wenzele uMordekai o wa e kulumela inkosi okungulileyo, u su mi endhlini ka Hamani: Inkosi ya ti, M panyeke pezu kwawo.

10 Ba m panyekake uHamani emutini o wa e wenzele uMordekai. Ulaka lwenkosi lwa bohla.

#### ISAHLUKO 8.

**N**GA lolo suku uAhashurosi inkosi wa nikelala indhlu ka Hamani isita sabaJuda kuEsetere inkosikazi. uMordekai weza ebusweni benkosi ngokuba uEsetere wa e se tyilo ukuba u yini naye.

2 Inkosi ya kumula indandato e be i susile kuHamani ya i nika uMordekai; noEsetere wa m misa uMordekai pezu kwendhlu ka Hamani.

3 uEsetere wa buya, wa kuluma futi ebusweni benkosi, wa wa pansa ezinyaweni zayo, wa kala, wa incenga, ukuba i suse ububi buka Hamani umAgagi necebo lake a be e li cebile ngabaJuda.

4 Inkosi ya m pakamisela uEsetere intonga yegolide. Njalo uEsetere wasuka we ma ngapambi kwenkosi.

5 Wa ti uma ku be kuhle enkosini uma ngi zuzile umusa pambi kwayo, ne-

lizwi li lungile ebusweni bayo nami ngi muhle emehlweni ayo, ma ku balwe ukuba zi buyiselwe izinewadi e za qanjwa uHamani indodana ka Hamedatha umAgagi a zi bala ukuba ku bujiswe abaJuda aba kona emazweni onke enkosi:

6 Ngokuba ngi nga ba namandhla kanjani ukubona ububi obu ya kwehlela pezu kwabantu ba kiti na? ngi nga ba namandhla ukubheka ukubujiswa kwa bakiti na?

7 Wa ti uAhashurosi inkosi kuye uEsetere inkosikazi na kuye uMordekai umJuda, Bheka ngi nikile uEsetere indhlu ka Hamani ba m panyeka yena emutini ngokuba wa solula isandhla ku-abaJuda.

8 Balelani abaJuda nina njengokuhle emehlweni enu egameni lenkosi ni ku cindezele ngendandato yenkosi: ngokuba loku okwa balwa egameni lenkosi kwa cindezelwa ngendandato yenkosi akuko noyedwa o nga kweqayo.

9 Konake abalobi benkosi ba bizwa nga lesosikati ngenyanga yesitatu inyan-nga e tiwa uSivani ngosuku lwamashumi amabili nantatu lwayo kwa balwa njengako konke uMordekai a ku yalayo kubaJuda nakubabusi nezinduna nabapati bamazwe a be kona, ku suke eIndia ku ze ku fike eKushi amazwe a ikulu namashumi amabili nesikombisa kuwo onke, amazwe ngamazwe, njengokubalwa kwawo, nakubo bonke abantu nje- ngokukuluma kwabo, nakubaJuda nje- ngolimi lwa kubo njengokubala kwabo.

10 Wa bala egameni lenkosi uAhashurosi wa ku cindezela ngendandato yeuko- si, wa zi tuma izincwadi ngesandhla sezigijimi ezi kwele emahashini nabakweli bezimbongolo namakamelo nezinjomane.

11 Zokuba inkosi ya nika abaJuda aba semizini yonke, imizi ngemizi, ukubutanela ndawonye, nokumela ukupila kwabo ukubulala, ukutyaya, nokububisa onke amandhla abantu nelizwe eli ba vukelayo, abancinyane kanye nabafazi, nokudhla impango yabo.

12 Ngosuku lunye emazweni onke enkosi uAhashurosi ngosuku lweshumi nantatu lwenyanga yeshumi nambili e inyanga uAdare.

13 Ukutyo kwenewadi yomteto o mi- swayo emazweni onke, amazwe ngama- zwe, wa menyezela kubo bonke aban- tu, nakubaJuda a ba be lungele lolu suku ukuzipindisela eziteni zabo.

14 Izigijimi eza kwela pezu kwezimbo-

ngolo na pezu kwamakamelo za puma, zi tyetyiswa, zi qutywa izwi lenkosi. Umteto wa puma eShushani enqabeni.

15 uMordekai wa puma ebusweni ben- koski embete ingubo yobukosi, eluhlaza, nemhlope nesigqoko esikulu segolide, nen- gubo yelineni elibomvu: Inqaba iShu- shani ya jabula, yenama.

16 AbaJuda ba be nokukanya nokuja- bula nokwenama nodumo.

17 Nasamazweni onke, nasemizini yo- nke lapo izwi lenkosi nomteto wayo kwa fika kona, kwa ba kona kubaJuda, ukujabula, nokwenama, nedili, nosuku oluhle. Nabaningi babantu belizwe ba zenza abaJuda, ngokuba, be kwelwe ukwesaba kwabaJuda.

## ISIAHLUKO 9.

**N**GENYANGA yeshumi nambili e ngu- Adare ngosuku lweshumi nantatu lwayo kwa sondela o kwenziwa lapo kwezwi lenkosi, nomteto ngosuku izita zabaJuda e za temba ukuba zi be nama- ndhla pezu kwabo, noko kwa pendulwa kwa ti abaJuda ba ba namandhla pezu kwabo aba ba ondayo:

2 AbaJuda ba butanela emizini yo- nke yamazwe onke enkosi uAhashurosi, ukusolula isandhla kubo abafuna ukubonakalisa kwa ku ngeko umuntu o namandhla ukuma pambi kwabo ngokuba ukubesaba kwehlela abantu bonke.

3 Nabo bonke ababusi bamazwe, namakosi awo, nezinduna nezikulu izisebenzi zenkosi za siza abaJuda ngokuba ukwesaba uMordekai kwa behlela.

4 Ngokuba uMordekai wa be mkulu eudhlini yenkosi, nodumo lwake lwa hamba emazweni onke; ngokuba lomuntu uMordekai wanda, wa kula njalo.

5 AbaJuda ba tyaya zonke izita zabo ngokutyaya kwenkamba nangokubulala nokububisa benza njengokutanda kwa- bo kwa ba zondana nabo.

6 Enqabeni eShushani, abaJuda ba bulala, ba bubisa abantu aba makulu a isihlanu.

7 uPashandata, noDaltoni, noAspata,

8 uPorata, noAdalia, noAridata,

9 uPamaslita, noArisai, noAridai, no- Vajezata,

10 Amadodana a yishumi a ka Hama- ni indodana ka Hamedatha, isita saba- Juda ba wa bulala kodwa aba bekanga isandhla empangweni.

11 Ngalolu 'suku kwa ziswa pambi

kwenkosi umumo wabo aba be bulewe eShushani komkulu.

12 Inkosi ya ti kuye uEsetere inkosikazi, AbaJuda ba bulewe ba bubisa eShushani komkulu amadoda amakulu a isihlanu kanye namadodana a ishumi a ka Hamani; benze ntoni kwamanye amazwe enkosi na? Ukukuleka kwabo ku ini na? Ku ya kuvunyelwa: ukucela kwako kuni? ku ya kwenzeka.

13 uEsetere wa ti uma ku kuhle enkosini ma ku vunyelwe abaJuda aba kona eShushani benze ngomso futi njengawo umteto wa nanihla namadodana a ishumi aka Hamani a ka panyekwe emtini.

14 Inkosi ya ti, ma kwenziwe: nomteto wa vela eShushani; ba panyeka amadodana ka Hamani a ishumi.

15 NabaJuda aba kona eShushani ba butana ngosuku lweshumi nane lwenyanga uAdare ba tyaya amadoda amakulu matatu eShushani kodwa a ba beka isandhla empangweni.

16 Abanye abaJuda aba be semazweni eukosi ba butana ndawonye ba mela ukupila kwabo ba pumula eziteni zabo, ba zi bulala izita ezi izinkulungwane ezi mashumi a yisikombisa nesihlanu, kodwa empangweni a ba bekanga izandhla.

17 Ngosuku lweshumi nantatu lwenyanga uAdare na ngosuku lweshumi nane lwayo ba pumula ba lwenza lu be usuku lokudhla nolokujabula.

18 NabaJuda aba be seShushani ba butana ngolweshumi nantatu na ngolweshumi nane lwayo: ngolweshumi nesihlanu ba pumula ba lwenza lu be usuku lokudhla nokujabula.

19 Ngako abaJuda aba be semizaneni aba be hlezi emizini e nge nazo izindonga zamatyeba ba lwenza usuku lweshumi nane lwenyanga uAdare lwa ba usuku lokujabula, nolokudhla, nosuku oluhle, nolokutumelana izabelo.

20 uMordekai wa zi bala lezi zinto, wa tuma izinewadi kubaJuda bonke aba semazweni onke enkosi uAhashurosi aba seduze naba kude.

21 Ukukumisa loko kubo, ukuba ba lu gcine olweshumi nane lwenyanga uAdare nolweshumi nesihlanu lwayo, iminyaka ngeminyaka.

22 Njengemisuku abaJuda a ba pumula ngayo eziteni zabo nenyanga e ya guqu-lwa kubo ekudabukeni ya ba ukutokoza na sekulileni lwa ba usuku olumnandi,

ukuba ba zenza zi be izinsuku zokudhla, nokujabula, nezokutumelana izabelo, nezipo kwabampofu.

23 AbaJuda ba vuma ukwenza njengokuba ba se be qalile, nanjengako uMordekai a e ku balele bona.

24 Ngoquba uHamani indodana ka Hamedetha, umAgagi isita sabo bonke abaJuda e be ebile ngabaJuda ukubabubisa e benzile iPuri oku inkato ukubaqeda, nokubabubisa:

25 Kepa qede uEsetere eze pambi kwenkosi wa yala ngezinewadi ukuba icebo lake a e li cebile ngabaJuda li buyiselwe pezu kwekanda lake nokuba yena namadodana ake ba panyekwe emtini.

26 Ngako ba biza lezozinsuku ukuti iPurime njengegama iPuri: Ngenxa yawo onke amazwi a lenewadi nangenxa yaloko aba be ku bonile ku lendaba naloko o kwa ku behlele.

27 AbaJuda ba misa, bamkela nenzalo yabo nabo bonke aba zihlanganisa kubo ukuba ku nga puti kodwa ba zi gcine lezi zinsuku ezimbili ngengokubalwa kwazo nanjengesikati esimisiweyo sazo, iminyaka yonke.

28 Na lezo zinsuku zi ya kukunjulwa zi gciniwe izizukulwane zonke, imindeni yonke, emazweni onke, nemizi yonke, nokuba lezo zinsuku zePurime zi nga puti pakati kwabaJuda nokukunjulwa kwazo ku nga peli enzalweni yabo.

29 uEsetere, inkosikazi intombi ka Abihaili noMordekai umJuda ba bala ngamandhla onke ukuqinisa lenewadi yesibili yePurime.

30 Naye wa tuma izinewadi kubaJuda bonke emazweni a ikulu namashumi amabili nesikombisa ombuso ka Ahashurosi kanye namazwi okutula neqiniso futi.

31 Ukuba ku qinise lezozinsuku zePurime ezikatini zazo, njengokuba uMordekai umJuda, noEsetere inkosikazi, ba be zimisele nanjengokuba ba be zimisele bona nenzalo ya kubo ezi izindaba zokukala nokuzila.

32 Izwi lika Esetere la qinisa lezi zindaba zePurime; kwa lotywa nasencwadini.

#### ISIAHLUKO 10.

INKOSI uAhashurosi wa telisa izwe Inziqingi zolwandhle.

2 Imisebenzi yonke yamandhla ake, nobukosi bake, nokubatyazwa kobukulu buka Mordekai, inkosi e ya m kulisa nga-

bo, a i balwe enewadini yamazwi amakosi a seMadai neParasi na?

3 Ngokuba uMordekai umJuda wa e owesibili enkosini uAhashurosi, e mku-

lu kubaJuda, e tokozwa abaningi kuba-  
zalwane bake, e funa ingeebo yabantu  
ba kubo, e kuluma ukutula kuyo yonke  
inzalo yakubo.

## UJOBE.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ku kona umuntu ezweni la se-  
Uze, o gama lake la li nguJobe; lo-  
muntu wa e lungile, wa e kolekile, e me-  
saba uTixo e zonda okubi.

2 Wa zala amadodana a isikombisa  
namadodakazi amatatu.

3 Imfuyo yake ya i izimvu ezi izinku-  
lungwane ezi isikombisa, namakamelo a  
izinkulungwane ezintatu, izinkabi ezi  
inkulungwane, nezimbongolo zezinsika-  
zi ezi ngamakulu a isihlanu, kanye nezi-  
neeku eziningi; njaloke lomuntu wa e  
mkulu ku nabo bonke aba sempumala-  
nga.

4 Amadodana ake enza ukudhla ezi-  
ndhlini zawo, ku i leyo ngosuku lwayo;  
a tuma e mema odade wabo bobafatu  
beza ba dhle ba puze nawo.

5 Kwa ti, lapo se zi dlhulile izinsuku  
zokudhla kwawo, uJobe wa tuma wa  
wa hlambulula, wesuka ekuseni, wa ni-  
kela iminikelo yokutya njengobuningi  
bawo onke: ngoba uJobe wa ti, Ku nga  
be amadodana ami onile, a m delege  
uTixo ezinhliziyweni zawo, uJobe we-  
nze njalo imihla yonke.

6 Kwa ti ngosuku olutile amadodana  
ka Tixo eza ukunkonza uJehova, na-  
ye uSatani weza nawo.

7 uJehova wa ti kuSatani, wena u  
vela ngapi na? uSatani wa m pendula  
uJehova, wa ti, ngi vela ukudabula  
emhlabeni, nokuhambahamba kuwo.

8 uJehova wa ti kuSatani, Imbala  
inhliziyu yako i si m qondile uJobe  
ineeku yami, ukuti ka ko o fana naye  
emhlabeni, umuntu olungileyo okoleka-  
yo, umuntu o m hlonipayo uTixo, o xwa-  
ya okubi.

9 Wa pendula uSatani kuJehova wa  
ti, Ehe, uJobe u ya mesaba uTixo nge-  
ze na?

10 Ka u m biyele ngotango na, yena  
nendhlu yake nako konke a nako inxu  
zonke? u bhlekile imisebenzi yezandhla  
zake, imfuyo yake i si yandile ezweni.

11 Kaloku a ke wolule isandhla sako  
kodwa, u pate konke a nako, ku kona e  
za kukutuka ebusweni bako.

12 uJehova wa ti kuSatani, Bhaka,  
kuba nako ku semaudhleni ako  
ukwenza okwentando yako; kupela  
kuyena ngoqobo lwake u nga beki isa-  
ndhla sako. Njaloke uSatani wesuka  
ebusweni buka Jehova.

13 Ngosuku olutile amadodana ake  
kanye namadodakazi ake a be e hlezi  
e dhla e puza iwaini endhlini yomfo wa-  
bo omkulu:

14 Seza isigijimi kuJobe, sa ti, Izinka-  
bi e be zi lima, izimbongolo zi dhla nga  
secaleni lazo:

15 Aba seSheba beza ba zi panga, futi  
ba bulele izincku zako ngobukali be-  
nkemba: imina ngedwa e ngi sindileyo  
ngi ze ukukubikela.

16 E sa kuluma lawo, kwa fika omu-  
nye wa ti, Umlilo ka Tixo wehlile ezul-  
wini, u tyise izimvu zako nezineeku  
zako, wa zi qeda nya; Imina ngedwa  
engi sindileyo ngi ze ukukubikela.

17 E sa kuluma, weza omunye, wa ti,  
AmaKaldi eza ngezigaba ezintatu, a ba-  
mba amakamelo, a wa panga, yebo, a  
bulele izincku zako ngobukali benke-  
mba; imina ngedwa e ngi sindileyo nge  
za ukukubikela.

18 E sa kuluma lowo, kwa fika omu-  
nye futi, wa ti, Amadodana ako nama-  
dodakazi ako a be hlezi e dhla e puza  
iwaini endhlini yomfo wabo omkulu.

19 Bhaka, kwa pepeta isipepo esikulu  
si vela nga pesheya kwehlane, sa tyaya  
ezinqutyini zozine zendhlu, ya wa pezu  
kwezinsizwa, za fa: imina ngedwa engi  
sindileyo ngi ze ukukubikela.

20 uJobe wesuka, wa hxebula ingubo  
yake, wa pueula ikanda, wa ti mbo ngo-  
buso emhlabatini, wa nxusa,

21 Wa ti, Nga puma ngi ze esiswini si  
ka mame, ngo pindela kona ngi ze: uJe-  
hova wa pa, uJehova u tatile; ma li  
longwe igama lika Jehova.



22 Ngako konke loko uJobe a kona-nga, a ka kulumanga okubi ngoTixo.

## ISAHLUKO 2.

**K**WA ti futi ngosuku olutile amado-dana ka Tixo eza ukunikonza uJehova, uSatani weza naye ukumkonza uJehova kanye nawo.

2 uJehova wa ti kuSatani, u vela ngapi na? uSatani wa m pendula uJehova, wa ti, Ngi vela kudabula umhlaba, nokuhambahamba kuwo.

3 Wa ti uJehova kuSatani, Imbala inhliziyi yako i si m qondile uJobe incekuyami, ukuti ka ko emhlabeni o fana naye, umuntu olungileyo okolekileyo, o m hlonipayo uTixo, o xwaya okubi, na manje u sa qina ekulungeni kwake, nokuba wena wa ngi vusa ngi m cite e nge nacala.

4 uSatani wa pendula kuJehova, wa ti, Isikumba ngesikumba, yebo, umuntu nu nika konke a nako ngokupila kwake.

5 A ke welule isandhla sako, u pate itambo lake nenyama yake, u ya kukutaka ebusweni bako.

6 uJehova wa ti kuSatani, Bheka u se sandhlani sako: wo m linda a nga fi kodwa.

7 Njaloke wa suka uSatani ebusweni buka Jehova, wa m tela uJobe ngamatumba amabi kwa ti pihli kwa qala pakati kwezinyawo zake kwa za kwa ti ngei pezulu.

8 Wa tata iqobolondo ukuzonwaya, wa hlala emloteni.

9 Njaloke umkake wa ti kuye, U sa qina yini ekulungeni kwako na? m delele uTixo, u fe.

10 Wa ti kuye, U kulumisa okomfazi o isihla. Si zo piwa ngesandhla sika Tixo okuhle, ku be kupela, si nga piwa nokubi futi na? Ngako konke loko uJobe a konanga ngomlomo wake.

11 Abantu abatatu abangane baka Jobe lapo se be zwile ngezinhlupo zonke e za be zi mehlele, beza bonke be vela kubo; uElifazi umTemani, uBildade umShuhi, uZofari umNama:

12 Lapo ba bheka be kude be nga m bonisisi, ba kala izinyembezi; ba hxebula kwa ilowo ingubo yake, ba tela umhlabati emakanda abo pezulu.

13 Ba hlala emhlabatini naye izinsuku ezi isikombisa nobusuku obu isikombisa, ba tula bonke ba ti du: ba bona ukuti u hlupekile impela.

## ISAHLUKO 3.

**N**NGASEMVA kwaloko uJobe wa namulala, wa qalekisa usuku lwake.

2 uJobe wa kuluma, wa ti,

3 Sengati nga ku nga za nge lu be kona usuku e nga zalwa ku lona, nobusuku okwa tiwa ngabo, Ku kona o kulelwe umtwana wesilisa,

4 Sengati lolo suku lu nga ba mnyama; uTixo ma ka nga lu beki e pezulu, ukukanya ma ku nga veli kulona.

5 Ubumnyama netunzi lokufa ma li lu buyise; ifu ma li hlale kulona; ubumnyama bosuku ma bu lwetuse.

6 Ubumnyama, ma bu sibekele lobo busuku; ma lu nga balwa ezinsukwini zomnyaka; ma lu nga balwa ezinyangeni.

7 Eh, lobo busuku ma bu be ize; ma ku ugezwakali izwi lokujabula kubona.

8 Ma ba bu tuke abatukayo ilanga, abalungele ukuvusa isilwane.

9 Izinkanyezi zokuswelela kwabo, ma zi sitwe; ma bu fise ukukanya, ba nga ku fumani; ma bu nga boni uvivi.

10 Ngoba bu nga valanga isisu sika ma, bu nga fihlanga ukulupeka emehlweni ami.

11 Ku ngani a ngi fanga esiswini? Ku ngani a ngi bubanga ekupumeni kwami esiswini?

12 Ku ngani nga singatwa kahle? namabele a ngi ncelisile?

13 Ngoba kaloku nga ngi lele ngi tuli le ngi te du, nga ngi lele ubutongo: kona nga ngi pumula,

14 Ndawonye namakosi nompakati omhlaba, aba zakelayo izindawo e se za citeka;

15 Nokuba ku ndawonye namakunzana a negolide, a gwalisayo izindhlu za wo ngesiliva:

16 Sengati nga ngi ngeko njenge-sisu esipunziweyo; ngi njengezingane ezi nga bonanga zi ku bone ukukanya.

17 Lapo aba shingayo ba peza ukulhupa kwabo; lapo abadiniweyo ba ya pumula.

18 Lapo ababotyiweyo ba ya pumula ndawonye; ka bezwa izwi labakatazayo.

19 Abancane nabakulu ba kona; isigqili si kululekile enkosini yaso.

20 Ohlupekayo u piwelani ukukanya na, naba nezinhliziyi ezi nomunyu zi piwelani ukupila;

21 Abafisayo ukufa, ka ku zi kodwa;

ba ku funisisa ku nemfuyo e tukusi-weyo;

22 Abajabula kangakanani, ba tokoza, nxa be fika elibeni?

23 Ku ngani ukuba ku piwa ukukanya kumuntu o ndhlela yake i medukela; uTixo a m biyeleyo?

24 Ngi nepika ngi nga ka dhli, ukumbongoza kwami ku njengoku pupuma kwamanzi.

25 Ngoba loko e nga kwesaba ku ngehlela, loko e nga ku xwaya ku fikile kimi.

26 Be ngi sengozini, be ngi nga pumile, be ngi nga tuli; noko za fika izinhlupo.

#### ISAHLUKO 4.

**U**ELIFAZI umTemani wa pendula, wa ti,

2 Uma nxa si linga ukukulumisana nawe, wo sola na? Kodwa ubani o nga tula e nga kulumi na?

3 Bhlekake, u ba yalile abanangi wena, u zi qinisile izandhla ezi butakataka.

4 Amazwi ako a m qinisile yena o be za ku wa, u sizile namadolo a tutumelayo.

5 Kepa manjeke se ku fikile kuwena u ya qaleka; ku ya ku tinta, u ya tutumela.

6 Loku a siko ukuhlonipa kwako, nokukulwa kwako, nokwetemba kwako, nokulunga kokuhamba kwako?

7 Kumbula, u bone ubani o ke wa citeka, e nge nacala? Abalungileyo ba nqunwapi na?

8 Njengokuba se ngi bonile ukuti laba abalimayo okubi, ba hlwanyela ukona, ba vuna kona.

9 Ngokupepeta kuka Tixo ba ya citeka ngomoya wamakala ake ba ya pela nya.

10 Ukukonya kwebubesi, nezwi lebubesi elihahayo, namazinyo amaundhlu ezingonyama, a pukile.

11 Ibubesi elidala li ya fa ngokuswela izilwane ezi pangwayo, amaundhlu ebubesi ellkulu a te ci.

12 Indaba ya letwa kimi, ngasesita, indhlebe yami yezwa inxenye yayo.

13 Ekupupeni ebusuku, abantu se be lele ubutongo,

14 Ngehlelwa ukwesaba, nga tutumela, a qaqazela amatambo onke ami.

15 Kwa dhlula isituta ebusweni bami; kwa sinazeka uboya bomzimba wami:

16 Sema, kodwa kwa nga hlula ukuqo-

nda isimo saso: Isitunzi sa si sebusweni bami, kwa be ku tuliwe nje, ngezwa izwi li ti,

17 Umuntu u ya kumahlula uTixo eku- lungeni na? umuntu u ya kuba ngewe- le ku noMenzi wake na?

18 Bheka yena ka zetembi izinceku zake; nezingelosi zake u ti zi iziula:

19 Kakulu ka betembi abahleziyo ezindhlini zebumba; ezi sekelwe umhlaba- ti, ezi hlifizeka njengokuba zi dhliwe izinyundu?

20 Ba kandwa kusasa ku ze ku be ku- sihlwa; ba ya pela ku ze ku be pakade ku nga nakwa muntu.

21 Izintambo ezi kubona a zi suswa na? yini ba ya fa be nge nangqondo.

#### ISAHLUKO 5.

**A**KU memeze, u kona yini o ya kuku- pendula; u ya kubeka ku mupi o lungileyo kwa ba hlanzekileyo na?

2 Ngokuba ulaka lu ya m bulala umuntu o isiula, umona u ya bulala yena o isipukupuku.

3 Ngi m bonile yena o isiula e gxilile: kepa masinya nga bona ku citeka umuzi wake.

4 Abantwana bake be kude nokubusa, ba fidhlizeka esangweni, ka muko o ba pepisayo.

5 Oku vunwa ibo ku dhliwa abalambileyo, ba ku kipa na semeveni, umpangi u ya dhla konke a ba nako.

6 Nokuba ukuhlupeka ku nga veli otu- lini, nokudabuka ku nga pumi pansi emhlabatini;

7 Kepa umuntu u zalwa a be no- kuhlupeka, njengokuba izinhlanzi zi ya qatya.

8 Kodwa nga ngi m konza uTixo, na kuye uTixo nga ngi bekela icala lami.

9 Yena o zenzayo izinto ezinkulu ezi nge nakufunyaniswa; izimangaliso ezi nge nakubalwa:

10 Yena onisayo imvula emhlabeni, otumayo amanzi emazweni:

11 Ukupakamisa labo aba tobileyo; ba pakanyiswe aba dabukileyo, ba buse.

12 A ya jabisa amacebo abo aba ngamaqili, izandhla abo zi nga bi nako uku- feza umsebenzi.

13 Aba ngamaqili u ya ba cupa ngobu- qili babo: icebo labakohlisayo li ya citeka nje.

14 Ba ya ngena ebunyameni emini, ba putaputaze emini njenga sebusuku.

15 Kepa u ya ba sindisa abampofu

enkembeni, na semlonyeni wabo, na sesandhlени sesiqwaga.

16 Njalo abampofu ba nokwetemba, inkohliso i vimbe umlomo wayo.

17 U busisiwe lomuntu uTixo a m lungisayo: ngako u nga deli ukuhlupa oku vela kuSomandhla:

18 Ngokuba yena u ya fihliza, a buye a bope: u ya kupaza, izandhla zake zi ya polisa amanxeba.

19 Yena wo ku sindisa ezinhlupekweni ezi isitupa: yebo, na sezinhlupekweni ezi isikombisa a u yi kulimala ngoto.

20 Nxa ku kona indhlala u ya ku ku siza u nga fi, na sempini ukuba u nga bulawa inkemba.

21 Nxa ku tyaya ulwimi u ya kucatya lu nga ku hlupi: futi u ngesabi ukufa lapo ku fikayo.

22 U ya kuhleka lapo u bona ukuciteka nendhlala: u ngesabi izilwane ezi semhlabeni.

23 Ngoba a u yi ku quzuleka ematweni a sendhle: nezilwane za sendhle zo hlalisana kahle nawe.

24 U ya kwazi ukuba indhlu yako i hlezi i tulile; u ya kubala imihlambi yako, u fumanise i pelele.

25 Futi wo kwazi ukuba inzalo yako i ya kuba ningi, abantwana bako ba be ngangotyani ba semhlabeni.

26 U ya kufika etuneni u su gugile, njengokuba iqinqa lamabele li vunwa ngesikati salo.

27 Beka loku, se si ku hlolile; ku njaloke impela; a ku zwe wena.

#### ISAHLUKO 6.

WA pendula uJobe wa ti,

2 Sengati ukuhlupeka kwami kwa be ku linganisiwe, nokudabuka kwami ku bekwes esilinganiseni kanye!

3 Ngokuba be ku ya kuba nzima ku nesihlabati sa selwandhle: ngako nga kuluma ngokungaqondi.

4 Ngoba imicibityelo ka Somandhla i kimi, ubuhlungu bayo bu ya qeda umoya wami; itwetwe lokwesaba uTixo li ya ngi hlekela.

5 Imbongolo i ya kala yini lapo i sehlungwini? inkabi i ya donda yini eku-dhlени kwayo?

6 Imbala okuduma ku nga dhliwa ku nge naye usaoti na? Ku kona okuzwakalayo emlonyeni ku ko okumhlope kweqanda na?

7 Izinto umpufumlo o kade wala uku

zi pata, se zi ukudhla kwami okunengekayo.

8 Sengati ngi nga zuza loku e nga ku celayo; sengati uTixo a nga ngi pa loku e ngi ku kulekayo!

9 Ukuti a nga vuma uTixo ukungifihliza: elule isandhla sake, a ngi nqume!

10 Loku ku ukutokoza kwami; yebo ngi ya kujabula na sebuhlungwini obuhaukelayo; loku a ngi fihlanga amazwi ake yena o ingewele.

11 Amandhla ami a ngakanani na, ukuba ngetembe wona? ukupila kwami ku yini, ukuba ngandise iminyaka yami?

12 Amandhla ami amandhla amatye yini? inyana yami i yi tusi yini na?

13 Maye akuko ukusiza, ukusindisa ku suswa kimi na?

14 Ku fanele yena ohlupekayo a haukelwe umhlobo wake; kodwa u ya dela ukumesaba uSomandhla.

15 Abafu wetu ba ngi patile ngamacebo njengomfula, na njengemifula ba ya dhlula;

16 Emnyama njengeqeqeba lika ngqoqwane, neqwa li sitwa iyo.

17 Lapo ku fudumele, i ya ncibilika; lapo li balele, i ya tya nya.

18 Abahambayo ezindhleleni zayo, ba ya pambuka; ba kupuka ba ye ehlane ba fe.

19 Amabuto a kwa Tema a kangela, izigaba za kwa Sheba za yi hlulula.

20 Ba te kexe ngoba be betemba; be za lapo ba dana.

21 Ngoba kaloku ni ize nje; ni bona ukujaba kwami, ni yesaba.

22 Nga tyo yini, ukuti, ngi ziseleni, ngi nikeni imfuyo na?

23 Po, nga tyo yini, ngi kululeni esandhlени sabo aba nolaka?

24 Ng i fundiseni, kona ngo tula mina: ngi qondiseni ngi bone lapo ngone kona.

25 Yeka amazwi a lungileyo a namandhla! kepa ukupikisana kwenu ku sizani?

26 Ni yetemba yini ukukuza amazwi? ku umoya ukukuluma komuntu o niki-leyo.

27 Yebo, ni yahlula inkedama, ni mbele umhlobo wenu umgodi.

28 Ngako a ke ni vume ni ngi bheke; ngoba uma ngi namanga ku sobala nje.

29 A ke ni guquke, ni cinge ngi ni nxusa ku nga biko ukona; yebo, guqukani, ku kona ukulunga kwami kuleyondaba.

30 Ku kona ukona emlonyeni wami na? Amalixihxiwane ami ka wezwa yini okubabayo?

ISAHLUKO 7.

**K**A kuko yini ukulwa kubantu emhlabeni na? imihla yabo a i njengemihla yomuntu okokelwayo na?

2 Njengokuba isisebenzi si ya nxanela kakulu itunzi, na njengokuba yena okokelwayo u bheka inzuzo yomsebenzi wake;

3 Kanjalo mina ngi piwa izinyanga zosizi, nga belwa ubusuku bokuhlupeka.

4 Lapo ngi lala pansu, ngi ti, Ngi ya kuvuka nini, ku pela ubusuku? ngi hlutywa ngoku binyabinyeka ku ze ku se.

5 Inyama yami i gewele izimpetu nezigaxana zotuli; isikumba sami si pola, si tela ubovu.

6 Imihla yami i pangisa i tyetya ku nesaluko, i ya dhlula i nge nakwetemba luto.

7 Kumbula ukuba ukupila kwami ku umoya nje: iso lami a li sa yi ku buya li bone okuhle.

8 Iso lake yena o kade e ngi bona, a li sa yi ku ngi bona: amehlo ako a ya ku ngi bheka, ngi nga seko.

9 Ifu li ya pela li nyamalale; njaloke yena o tyonayo etuneni ka sa yi kwe-nyuka.

10 Ka sa yi kubuyela kwake endhlini, indawo yake a i sa yi kumazi.

11 Ngako a ngi yi kutula; ngi ya kukuluma lapo ku hlupeka umoya wami: ngi ya kusola lapo ngi nomunyfu.

12 Mina ngi ulwandhle yini, ngi umkomo yini, loku u ngi bekela abalindi?

13 Lapo ngi ti, umbede wami wo ngi duduza, nokuko lwami lo siza inhlupeko yami;

14 Kona u ya ngetusa ngamapupo, u ya ngesabisa ngesiyezi;

15 Umpefunilo wami u ya keta uku-binda, nokufa ku noqobo lwami.

16 Ngi ya wa dela; a ngi fisi ukuhlala njalo: ngi yeke; ngoba imihla yami i ize.

17 Umuntu u yini na, ukuba a pakanyiswe uwe na? nokuba u yi beke inhlizyo yako kuyena?

18 U ze u m hluphe kusasa imihla yonke, u m linge sonke isikati;

19 Ko ze ku be nini u ngaba uku ngi yeka, u ngi yeke ngi ze ngi minze amathe ami?

20 Ngonile; ngi ya ku kwenza njani, wena o geinayo abantu? u ngi miseleni ngi into yokuvukelwa uwe, ngi ya zi sinda njengomtwalo.

21 Ku ngani a u yekeli icala lami, u suse ukona kwami na? ngoba kaloku ngo lala otulini; wo ngi funa kusasa, a ngi yi kubako.

ISAHLUKO 8.

**W**A pendula uBildade umShui, wa ti, 2 Ko ze ku be nini ukuluma lezi-zindaba? ko ze ku be nini amazwi omlo-mo wako a fane nesipepo?

3 uTixo u yona yini lapo e teta icala na? uSomandhla u ya lona icala na?

4 Uma abantwana bako bonile kuye, yena u ba xotyile ngenxa yokona kwabo;

5 Uma u pendukela kuTixo ngezikati, u kuleke kuye uSomandhla;

6 Uma u lungile u kolekile; impela u be za ku vuka a ku size, a li geine ikaya lokulunga kwako li be lihle.

7 Nokuba ukuqala kwako kwa ku ku ncane, noko ukupela kwako ku ya kwanda ka kulu.

8 Kumbula izizukulwane, a ke u buze izizukulwaneni sa pambili, u qinise, u funisise koyise baso;

9 Ngoba tina si nga ba izolo nje, ka sazi luto, ngoba izinsuku zetulo emhlabeni zi isitunzi nje:

10 Bona a ba yi kukufundisa yini, ba ku tyele, ba wa kipe amazwi ezinhliziyweni zabo?

11 Amageceba a ya hluma ku ngeko exapozini na? incema i nga mila lapo e ngeko amanzi na?

12 Uma ku se manzi, ku nga ka nqunywa, ku ya buna kuqala ku nemiti yonke.

13 Zi njalo izindhlela zabo abakohlwayo uTixo; itemba lomzenzisi li ya kupela:

14 Itemba lake li ya nqunywa, ukwetemba kwake ku ya kuba ulwembu.

15 U ya kwetemba indhlu yake, kodwa a i yi kuma: u ya kubambelela kuyo kepa a i yi kuqina.

16 Yena u lulhaza elangeni, igatya lake li ya hluma ensimini yake.

17 Izimpande zake zi ya taudela enqwabeni, i hlezi ematyi.

18 Uma e citeka endaweni yake, ngogobo i ya kumala, i ti ka ngi za nge ngi ku bona.

19 Ku njaloke, ukujabula kwendhlela yake, ku ya ku vela abanye emhlabeni.

20 Bheka, uTixo ka so ze a m lahle umuntu o neqiniso, futi ka so ze a ba size abashingayo:

21 Ku ze ku gewale umlomo wako ukuhleka, nezindhlebe zako ukujabula.

22 Bona aba ku zondayo ba ya kwebata amahloni: indhlu yabonayo i ya kupela.

ISAHLUKO 9.

WA pendula uJobe wa ti,

2 Yebo, ngi yazi ukuba ku njalo: kepa umuntu a nga ba kanjani e lungile pambi kuka Tixo?

3 Uma uTixo e tanda ukupikisana naye, ka ko namunye enkulungwaneni o nga m pendulayo.

4 Yena u neuhliziyo ehlakanipileyo, u namandhla amakulu; ubani o ke wa ziqiniseka ukulwa naye, e ngahluleki?

5 Yena o susa izintaba, masinyane, u ya zi gubungela.

6 U ya zamazisa umhlaba, u pume endaweni yawo, izinsika zawo zi tutumele;

7 U ya yala ilanga, li nga pumi; u ya vimbela izinkanyezi kumnyama;

8 Yena o yedwa eneka amazulu, u ya hambela emhlabeni, na selwandhle.

9 Yena o zenza uUrsa Majori, no-Cwazibi, neSilimela namagumbi a seningizimu.

10 Yena ozenzayo izinto ezinkulu ezi nge nako ukufunyanwa; yebo, izimangalis o ezi nge nako ukubalwa.

11 Bheka, u ya dabula nga kimi, kepa a ngi m boni: u ya dhlula kodwa a ngi mu zwa.

12 Yena u ya panga, ubani o nga m tiya? ubani o nga ti kuye, Wenzani?

13 uTixo ka yi kubohlisa ulaka lwake, abazidhlayo ba ya kutobeka pansi kwake.

14 Po! mina ngi nga m pendula kanjani, ngi kete amazwi a tize ukupikisana naye na?

15 Noma be ngi ngeweke, ngi nge ze ngi m pendule; kodwa ngi nga nxusa.

16 Uma nga be ngi memezile, yena wa be e ngi pendula: noko ngi nge ze ngi kolwe ukuba yena u be lalele izwi lami.

17 Ngobane e ngi zuma ngesivunguvungu, u yandisa amanxeba ami, ngi nge nacala.

18 Ka vumi ukuba ngi pefumle, kodwa u ya ngi gewalisa ngomunyu.

19 Uma ngi kuluma ngawo amandhla, bheka, yena u nawo amandhla: Uma ngi kuluma ngokuteta amacala, ubani o za kungimisela isikati?

20 Uma ngi zitelelela, umlomo wami wo ngi lahla: noma ngi ti, a ngi nacala, u ya kuti ngonile.

21 Noma ngi nge nacala, ngi nge wazi umpefumlo wami: ngi nga dela ukupila kwami.

22 Ku kunye, ngako ngi tyilo ukuti, u ya ba qeda nabalungileyo nabangalungile.

23 Uma ku bulala usizi oluzumayo, u ya ku hleka izinhlupo zabo aba nge nacala.

24 Umhlaba lo se u nikelwe esandhleni sabashingayo: u ya mboza ubuso babahluli bawo; uma e nge siye, ku ubani na?

25 Imihla yami i tyetya ku nogijimayo: i ya pela i nga boni okuhle.

26 I ya dhlula njengemikumbi yomhlanga: njengokozi olu tyetyayo ukuponseka ezilwaneni.

27 Lapo ngi ti, ngi ya kukohlwa ukusola kwami, ngi ya ku peza ukukala, ngi tokoze;

28 Ng i yesaba zonke izinhlupo zami, ngi yazi ukuba a ku yi ku ngi tetelela njengongenacala.

29 Ng i ya kulahlwa, po, ngi sebenzelani na?

30 Uma ngi ya zigeza ngamanzi ka ngqoqwane, izandhla zami ngi zi hlanze ngensipwo;

31 Kona u ya kungiewilisa emgodini, izingubo zami zi ngi dele.

32 Ngoba yena ka siye umuntu, nje ngami, ukuba ngi m pendule, si hlanga ne ku tetwe icala letu.

33 Futi ka ko e ngahlula pakati kwetu: o nga beka izandhla zake pezu kwetu sobabili.

34 Ma yi suse induku kimi, itwetwe lake ma li nga ngetusi:

35 Kona ngi nga kuluma, ngi nga mesabi; ngoba ku nge njalo kimi.

ISAHLUKO 10.

INHliziyiyo yami i si katele; ngi ya kuzinika ekusoleni; ngi ya kukuluma ngokuhlupeka kompefumlo wami.

2 Ng i ya kuti kuTixo, U nga ngi lahli; ngi tyele u lweleni nani na?

3 Kuhle yini kuwena ukuhlupa, ukudelela umsebenzi wezandhla zako, u vumele icebo labashingayo?

4 U nawo amehlo enyama na? bala u ya bona njengabantu na?

5 Imihla yako i njengemihla yabantu na? iminyaka yako i njengemihla yabantu na?

6 Loku u funisisa ukona kwami, u si buze nesono sami?

7 U yazi ukuba a ngoni; amuko o nga ngi kulula esandhleni sako.

8 Izandhla zako zi ngenzile zi ngi dabulile ngi pelele; kepa u ya ngi cita.

9 Kumbula, ukuba u ngenzile njengebumba; u ya ku ngi buyisela otulini na?

10 A u ngi eatazile njengobisi na? a u ngi hlambululile njengomlaza na?

11 U ngi gqokisile ngesikumba na ngenyama, u ngi biyile ngamatambo nemisipa.

12 U ngi pile ukupila nenhlanhla, ukugcina kwako ku londile umoya wami.

13 Lezo zindaba u zi tukusile enhliziyweni yako: ngi yazi ukuba ku sentandweni yako.

14 Uma ngi yona, u ya ngi linda, a ku yi ku yekela ukona kwami.

15 Uma ngi yona, nako kimina; nokuba ngi lungile, a ngi yi kululamisa ikanda lami. Ngi danile nje; ngako wo bheka ukhlupeka kwami.

16 Uma li zilulamisa u ya ngi qapela njengonyama: u buye u ngi vuकेle ngamandhla.

17 U ya buyela nofakazi bako kimi, u yandisa ulaka lwako kimi; amabandhla ngamabandhla a hlasela kimi.

18 Ngakoke ku njani po wa ngi kipa esiswini? sengati nga be ngi gqabukile, li ngeko iso e li ngi nonileyo.

19 Nga ngi za kuba njengokuba nga ngi ngeko; nga ngi za kugqitywa etuneni ngi sa puma esiswini.

20 Imihla yami a i incozana yini? pezake pela u ngi yeke, ngi ze ngi tokoze isikatyana,

21 Ngi nga ka hambu ukuya lapo ngi nga yi kubuya kona ezweni lobumnyama, nomtunzi, nokufa;

22 Ezweni lobumnyama, uqobo lwa-bo, e lomtunzi wokufa, ku ngeko ukh-leleka, lapo ukukanya ku njengobu-mnyama.

#### ISAHLUKO 11.

**W**A pendula uZofari umNania wa ti,  
2 Ku nge pendulwe amazwi amaningini na? umuntu o nokukuluma oku-ize a nga tetelelwa na?

3 Amacebo ako a nga tulisa abantu na? uma u hlekisa a nge ku tuke umuntu na?

4 U tyilo, wa ti, ku lungile ukufundi-sa kwami, ngi mhlope emehlweni ako.

5 Sengati uTixo a nga kuluma a pi-mise emlonyeni wake ngokuma kwako.

6 A ku bonise okufihlakeleyo kokuhlakanipa, ngokuba ukwazi ku kulu; Yazi ukuba uTixo wenzile ukuba ku nga kunjulwa inxenye yokushinga kwako.

7 Ngokuhlola u nga fumana okufihli-weyo kuka Tixo na? u nga m fumana uSomandhla, ku ze ku pelele na?

8 Ku pakeme njengezulu, u ngenzani wena na? Ku julile ku nehadesi, u ngazini na?

9 Ukulinganisa kwako kude ku nomhlaba, ku banzi ku nolwandhle.

10 Uma e vukela umuntu, e m nikela a botywe, e mema ibandhla, ubani o nga m tiyayo na?

11 Ngoba u ya bazi abantu abashinga-yo, u ya bona ukona, ngako ka yi kukuqonda na?

12 Ngoba abantu ba ize, aba nakwazi; ba zalwa njengezole lembongolo ya sendhle.

13 Uma u lungisa inhliziyo yako, we-lulele izandhla zako kuye,

14 Uma ukona ku sesandhleni sako, ku xotye; ku nga hlali ezindhlini zako.

15 Konake u nga lulamisa ubuso, bu nge nabala; yebo u ya kuma, u nga bi nakwesaba:

16 Ngoba u ya kukohlwa usizi lwako, u lu kumbule njengamanzi a dhlulayo:

17 Ukupila kwako ku ya qama kune-mini; noma u sityekelwa ubumnyama u ya kuba njengokusa.

18 U ya kuhlala u ngesabi, ngokuba ku kona ukwetemba; nokuba u namahloni, u ya kupumula, ngokutula.

19 U ya kulala, u ngetuswa muntu, yebo, abaningi ba ya kufuna okuhle kuwe.

20 Kepa amehlo ababi a ya fipala, a ba yi kusinda, itemaba labo li njengoku-puma komoya.

#### ISAHLUKO 12.

**W**A pendula uJobe, wa ti,  
2 Nempela inina e ni abantu, ukwazi ku ya kufa kanye nani.

3 Kodwa nami ngi nengqondo njengani; a ni ngi dhluli: yebo lezo ziuto ubani o nga zaziyo na?

4 Mina ngi njengobinqwayo o wake-lene naye, o memezayo kuTixo, a m pendule: umuntu olungileyo ohambayo ngokufanela u hlekwa usulu.

5 Emcabangweni wohlezi kamnandi, ku kona ukudelela o nosizi ku lungiselwa labo aba tyelela ngezinyawo zabo.

6 Amadokodo abapangi a hlala e qinile, naba m eunulayo uTixo ba hlala be ngesabi; aba pete uTixo wabo esandhleleni sabo.

7 Buzake ezilwaneni, zo ku fundisa; nezinyoni zezulu, zo ku tyela.

8 U kulume kuwo umhlaba, u ya ku kufundisa; nezinhlanzi zolwandhle, zi ya ku kutyengisa.

9 Ubani o ngaziyo kuko konke loko ukuba isandhla sika Jehova si kwenzile loku?

10 Esandhlени sake ku kona ukupila kwako konke okuhambayo, nokupefumla kwabantu bonke.

11 Indhlebe a i wahlukanisi amazwi njengomlomo u zwa ukudhla kwawo na?

12 Kwabadala ku kona ukwazi; nobuningi bemihla bu veza ingqondo.

13 Kuyena ku kona ukwazi namandhla, yena u nokuhlakanipa nengqondo.

14 Bheka u ya bidhliza ku nga biko ukwakiwa futi; u ya valela umuntu a nga bi nokuvulelwa.

15 Bheka u ya vimbela invula, a tye amanzi; u ya wa vulela, a dilize umhlaba.

16 Kuyena ku kona amandhla nokwazi: yena okohliswayo kanye nokohlisa-wo ba nga bake.

17 U ye mukisa izinduna zi pangwe nabahluli a benze iziula nje.

18 U ya wa tukulula anakosi ekubotyweni, u ya wa bopa ezinkalweni zawo ngemisono.

19 U ya hola amakosana e pangiwe, u ya wa cita amaqawe.

20 U ya susa ukukuluma kokolekayo, u ya susa ingqondo yabadala.

21 U ya wa dumaza amakosana, a tukulule imbonya yeqawe.

22 U ya bona okujulileyo ebunmyameni, a kipele obala umtunzi wokufa.

23 U yandisa izizwe, a zi cite; u ya kulisa izizwe, a buye a zi cite.

24 U ya sanganisa izinhliziyi zabakulu babantu bomhlaba, a be duse ehlane lapo ku nge ko ndhlela.

25 Ba puputeka ebunmyameni ku ngeko ukukanya, u ya benza ba pubazele njengesidakwa.

### ISAHLUKO 13.

**I**SO lami li ku bonile konke, indhlebe yami i'ku zwile, i zizwele kona.

2 Loko okwaziwa inina nami ngi ya kwazi: a ni ngi dhluli.

3 Kodwa ngi ya ku kuluma kuSomandhla, ngi fisa ukuzihlanza kuTixo.

4 Kepa nina ni ngabaqambi bamanga, ni izinyanga ezi nga sizi luto nonke.

5 Sengati ni nga tula ni ti du! loko ku nga ba ukuhlakanipa kwenu.

6 Lalelanike ukuqonda kwami, ni zwe ukuncenga komlomo wami.

7 Ni ya ku m kulumela uTixo okubi na? ni m kulumele ngamacebo na?

8 Ni ya ku m mela ni bheke ubuso bake na? ni ya ku m pikela uTixo na?

9 Ku ya kuba kuhle kini ukuba a ni hlale? nembala ni nga m kohlisa, nje- ngokuba umuntu e kohliswa na?

10 Impela u ya kunijeziisa, uma ngasesita ni ba vumela abanye ngokuketa.

11 Ubukulu bake a bu yi ku netusa na? ukwesabeka kwake a ku yi ku nehlela na?

12 Iziga zenu zi fana nomlota, izihlangangu zenu zi izihlangu zebumba.

13 Tulani, ni ngi yeke, ngi ze ngi kulume, nokuba ku fikani kimi, a ku fike.

14 Ku ngani ukuba ngi tabate inyama yami ngamazinyo ami, ngi beke ukupila kwami esandhlени sami?

15 Nokuba e ngi bulala ngo metemba; kodwa ngi ya ku qinisa izandhla zami pambi kwake.

16 Loko ku ya kuba usindiso lwami: ngoba umzenzisi ka nako ukuza pambi kwake.

17 Lalelani kahle ukushumayela kwami, nokutyo kwami ma ku zwakale ezindhlebeni zenu.

18 Bheka manje se ngi lungisile indaba yami: ngi yazi ukuba i ngi lungele.

19 Ubani o za kupikisana nami? ngokuba manje, uma ngi tula, ngi ya ku- gqabuka.

20 U ngenzi izinto ezimbili kimi; kupela konake a ngi yi ku kucatyela.

21 Finyeza isandhla sako si be kude nami: ukwesabeka kwako ma ku nga ngetusi.

22 Konake biza, ngi ya kusabela: vuma ngi kulume, u ngi pendule.

23 Izono zami nezipambuko zami zi

ngakanani na? ngazise ukona kwami nesono sami.

24 Ku ngani ukuba u ngi fihlele ubuso bako, u ngi patise okwesita sako?

25 Wo li folloza iqabunga eli pepetekayo umoya, wo landela izibi nje na?

26 Ngokuba u loba ngami oku lusizi, u ngenza ngi dlile ifa lezono zobutya bami.

27 U faka izinyawo zami ezingongolweni u linde izindhlela zonke zami, u yemba ngasezintendeni zezinyawo zami.

28 Yena u ya ncipa, njengento eboli-leyo, njengengubo e dlhiwe izinyundu.

ISAHLUKO 14.

UMUNTU ozelwe umfazi, imihla yake i incozana, i gewele usizi.

2 U ya kahlela njengembali, a nqunywe: u muka njengetunzi, a ka hlali.

3 U bheka ngamehlo ako konje na, u ngi ngenise ecaleni kanye nawe na?

4 Ubani o ya kubonisa o hlazekileyo o zelwe o neolileyo na? Kako noyedwa.

5 Uma imihla yake i nqunywe, ubuningi bezinyanga zake bu kuwena, u menzele umkaulo a nge naku u dlilula.

6 M yeke a pumule a ze a qede usuku lwake njengesisebenzi.

7 Ngokuba ku kona itemba emutini uma u nqunywa, ukuba wo buye u hlume, nokuba ihlumela lawo a li yi kupela.

8 Nokuba impande yawo yomela pansi emhlabatini, nesiqu sawo si bola emhlabatini;

9 Kepa ngokuzwa kwawo amanzi u ya hluma u kahlele, amagatya awo njengesitombo.

10 Kodwa umuntu u ya fa, a pele; umuntu u ya gqabuka, a be pi ke?

11 Amanzi a ya muka elwandhle; nomfula u ya tya woma;

12 Ku njalo umuntu u ya lala pansi, a nga be sa vuka futi: li ze li dlilule izulu, a ba yi ku vuka, ba papame ebutongweni babo nakanye.

13 Sengati u nga ngi tukusa ehaidesi, u ngi beke ekusitekeni, ko ze ku dlilule ulaka lwako, u ngi misele isikati esitile, u ngi kumbule!

14 Uma umuntu e fa wo buya a pile na? Zonke izinsuku zokulwa kwami ngi ya kuhlala, ku ze ku fike isikati sokupela kwami.

15 U ya kubiza, ngi ya kusabela; u ya ku nxanela umsebenzi wezandhla zako.

16 Ngokuba manje u ya bala ukunyatela kwami: a u dlilulise isono sami.

17 Ukona kwami ku vaelwe esikwameni, u ya zi tungela izono zami.

18 Impela lapo intaba i wayo, i ize nje, nedwala li susiwe endaweni yalo.

19 Amanzi a ya gumba amatye ukuhamba kwawo ku ya kukula izinto ezihlumayo emhlabatini; u ya qeda itemba labantu.

20 U ya mahlula njalo u ya pela: u ya guqulela ubuso bake, u m mukise:

21 Amadodana ake a tola inhlanhla, yena a nga kwazi, a ya hlupeka, kodwa a boni luto kuwo.

22 Kodwa inyama e kuye i nobuhlungu, nonpefumlo o kuye u ya kala.

ISAHLUKO 15.

WA pendula uElifazi umTemani, wa ti,

2 Umuntu ohlakanipileyo u kuluma umoya nje, a gewalise isisu sake ngomoya wa sempumalanga na?

3 A pikisane ngamazwi a nga sizi luto, na ngokukuluma a nge nako ukusiza ngako na?

4 Yebo, u ya xotya ukwesaba, u vimbela ukukuleka pambi kuka Tixo.

5 Ngoba umlomo wake u ya fundisa ukona kwako, u ya keta ulimi lwako nobuqili.

6 Umlomo wako o ku lahlayo a si mina: izindebe zako zi ya fakaza ngawe.

7 Uwe ini umuntu o wa zalwa kuqala? Wenziwa zi nga ka biko izintaba na?

8 U zwile ini imfihlakalo ka Tixo na, u zi geinele ukwazi wedwa na?

9 Wazini e si ngayaziyo na? u qonda ntoni e ngeko kitina na?

10 Ku kona kitina izimpunga nama-xegu, a be kona nga pambili kuka yihlo.

11 Iziduduzo zika Tixo zi neane ini kuwe, namazwi a kulunywa kahle kuwe na?

12 Ku ngani ukuba inhliziyi yako i ya ku mukisa na? amehlo ako a payizelani?

13 Ukuba u guqukele uTixo ngenhliziyi yako, u kipe ngomlomo wako amazwi a nje na?

14 Umuntu u yini, ukuba a be o hlazekileyo? Naye o zelwe umfazi, ukuba a be o lungileyo na?

15 Bheka a ka betenbi nabaingewele bake; nezulu a li mhlope emehlweni ake.

16 Umuntu ke mubi u ngeolile kangakanani, o puza ukona njengamanzi na?



17 Ngi za ku kutyengisa, lalela loku e ngi ku bonileyo ngi za ku kutyela kona.

18 Abahlakanipileyo a ba kuzwayo koyise a ba ku fihlanga:

19 Umhlaba, o wa nikwa bona bodwa kwa ku ngeko umfokazi o wa e ba dabula.

20 Isoni si hlupeka imihla yonke yaso, nomhlupi u bekelwe iminyaka e balwiweyo.

21 Ku kona udumo lokwesaba ezindhlebeni zake: lapo e hlezi kahle, u ya ku fikelwa umbulali.

22 Ka kolwa ukuba u ya kupuma ebumnyameni u hlalélwa inkemba.

23 U ya kuzulazula e funa ukudhla, e ti, Ku pi na? u yazi ukuba usuku lobumnyama se lu seduze naye.

24 Ukuhlupeka nosizi ku ya ku mesabisa; ku ya kumahlula, njengenkosi e hlomele ukulwa:

25 Ngokuba welulela isandhla sake kuTixo, u ya zikukumeza kuSomandhla.

26 U gijima pezuku kwake na sentanyeni, ngezihloko zezihlangu ezi kandeyo:

27 Ngokuba u niboze ubuso bake ngamafuta, a kulupalise ukalo lwake.

28 U hlala emizini e citekileyo na sezindhlini ezi nga hlalwa muntu e se zi lungele ukudilika.

29 Ka yi kuceba nemfuyo yake a i yi kuma, nengebo yake a i yi kwanda emhlabeni.

30 Ka yi kupuma ebumnyameni; ilangabi li ya kutyisa amagatya ake, na ngomoya womlomo wake, u ya kumuka.

31 U kohlisekile, ma ngetembi ize; ngokuba umvuzo wake u ya kuba ize.

32 Ku ya ku nqunywa ku nga ka bi isikati sake, igatya lake a li sa yi kuba luhlaza.

33 U ya kuvutulula isinwazi sake si se luhlaza, njengevini, a lahle imbali yake njengomgwenya.

34 Ngokuba ibandhla labadeleli li ya kuba ize, nonlilo wo qeda amadokodo enkohliso.

35 Ba kulelwe ukushinga, ba zala ukona, isisu sabo si lungisa inkohliso.

#### ISIAHLUKO 16.

**W**A pendula uJobe, wa ti,  
2 Ngi zwile izindaba eziningi ezinye: nina nonke ni ngabaduduzi ababi.

3 Amazwi a ize a se pelile na? u cunulwa yini ukuba u pendule na?

4 Nami ngi nga kuluma njengani; uma umpefumlo wako u be u sesikundhleri sowami, be ngi nga hlanganisela amazwi kuwe, ngi ku nikinele ikanda lami.

5 Be ngi nga ku qinisa ngomlomo wami, nokuhaukela kwezindebe zami, ku ku duduze.

6 Nokuba ngi kuluma, ukuhlupeka kwami a ku ncipi, nokuba ngi tule, ku pelani?

7 Ngeqiniso manje u ngi danisile: u ba citele bonke a bendhlu yami.

8 U ngi bambisisile, ku ufakazi: nokuzaca kwami okubonakalayo ku ya fakaza ngobuso bami.

9 Ulaka lwake lu ngi dabulile lu yalwa nami: u ngi gedhlile ngamazinyo ake njengesita sami u ngi kipele amehlo ake.

10 Ba ngi kamisele umlomo wabo, ba ngi mukula esihlatini ngenhlamba; ba hlangana ngami.

11 uTixo u ngi nikele kuye okohlakeleyo u ngi ponsile ezandhlени zezoni.

12 Ngi hlezi kahle, kepa wa ngi coboza; wa ngi bamba ngentamo wa ngi fohloza, wa ngi misa nga ba okukudutyulwa.

13 Imicibityelo yake ya ngi haqa, u ya dabula izinso zami, e nge namhau; u ya cita inyongo yami emhlabatini.

14 U ya ngapula futifuti; a gijime pezuku kwami njengeqawe.

15 Ngi tungile indwangu yamasaka emzimbeni wami, ngi lu tobisele upondo lwami emhlabatini.

16 Ubuso bami bu bomvu ukukala, na kuzo izinkope zami ku kona itunzi lokufa.

17 Nokuba ku nge ko icala ezandhlени zami: nokukuleka kwami ku lungile.

18 Mhlabati, ma u nga fihli igazi lami, ukukala kwami ma ku nga bi noku ngezwakali.

19 Bhekake ufakazi wami u se sezulwini, nomboneli wami u sezindaweni ezi pezulu.

20 Imihlobo yami i yona e ngi delelayo, kepa iso lami li kala kuTixo.

21 Ukuba sengati omunye a nga mnxusela umuntu kuTixo, njengokuba umuntu e nxusela umhlobo wake.

22 Ngokuba ngeminyaka e incozana, e nga balwayo, ngi ya kumuka ngenhlele e ngi nga sa yi kubuya ngayo.

ISAHLUKO 17.

**U**MPEFUMLO wami se u file, imihla yami i pelile, amatuna a se ngi lungile.

2 A ngi hlezi naba ngi hlekayo na? iso lami a li ku buki ukuhlupa kwabo na?

3 Beka pansike u ngi tembise mina nawe ubani o nga vumelana nani, ngaphandle kwako na?

4 Ngokuba inhliziyo yako u yi valele ekwazini ngako a u yi kubapakamisa.

5 Onikela imihlobo kubapangi lapa, amehlo abantwana bake a ya fipala.

6 U ngenzile ngi be isiga sabantu; se ngi odeliweyo ebusweni.

7 Iso lami li fipele ngenxa yosizi, namalungu onke ami a njengesitunzi.

8 Abaqoto ba ya mangala ngaloku, no nge nacala u ya vukela omubi.

9 Kepa olungileyo u bambelele endhleleni yake, yena o nezandhla ezimhlope u yanda njalo.

10 Kodwa nina nonke buyani ni ze noko a ngi yi kufumana noyedwa ohlanipileyo ki nina.

11 Imihla yami se i dhlulile, ukwetemba kwami kwa pukile, nemicabango yenhliziyoyami.

12 Ba pendule ubusuku bu be imini; ukukanya ku seduze pambi kobumnyama.

13 Uma ngi hlale, ituna li indhlu yami: ngendhlalile umbede wami ebumnyameni.

14 Ngi te ekuboleni, wena wa ba ubaba: ngi te ezimpetwini, wena wa ba umame nodade wetu.

15 Li pi itemba lami na? ukwetemba kwami, ubani okubonayo na?

16 Li ya kutyona emgodini, lapo se si pumula kanye otalini.

ISAHLUKO 18.

**K**WA pendula uBildade umShui, wa ti,

2 Ko ze ku be nini ni nga pezi lamazwi na? lalelake, nati so kuluma ngasemva.

3 Ku ngani ukuba tina ku tiwa si izilwane, si ya nuka ebusweni bako?

4 Yena u ya zihazula, e tukutela; umhlaba u ya kuciteka yini, ngenxa yako na? Itye lo ze li suswe endaweni yalo na?

5 Kanti isibani sokohlakeleyo si ya kucina, nenhlansi yomlilo wake a i yi ku kanya.

6 Ku ya kuba mnyama etenteni lake, ubaqa lwake lu ya kucinywa pezu kwake.

7 Ukunyatela kwake oku namandhla ku ya kufinyezwa, ukuqonda kwake ku ya ku m wisa.

8 Ngoba izinyawo zake zi ya m ponsa ogibeni, u ya hamba pezu kwamaveku.

9 Inhlali i ya ku m bamba ngesitende, isihibe si ya ku m bambisisa.

10 U tukuselwe ngibe emhlabatini no-noxaka u sendhleleni yake.

11 U ya kwetuswa ukwesaba inxa zonke ku metuse ekunyatelweni kwake.

12 Amandhla ake a ya kupela uku-lamba, ukuciteka se ku lungile ecaleni lake.

13 Ku ya ku dhla amalungu omzimba wake; o ku izibulo lokufa.

14 Ukuqina kwake ku ya kusityulwa etenteni lake ku ya ku m yisa enkosini yokwesatywa.

15 Ku ya kuhlala edokodweni lake aba nge sibo a bake: isolufa li ya kusakazeka endhlini yake.

16 Izimpande zake zi ya koma ngapansi, igatya lake li bune ngapezulu.

17 Ka sa yi kukuunjulwa emhlabeni, ka yi kuba nagama endhleleni.

18 U ya kukitywa ekukanyeni, a yiswe ebumnyameni, a xotywe emhlabeni.

19 Ka yi kuba nandodana namzukulwana kwaba kwake, noyedwa oseleyo ezindhlini zake.

20 Bona aba m landelayo ba ya kumangaliswa usuku lwake, naba nga pambi kwake betuka.

21 Zi njaloke izindhlu zabangalungile, i njalo indawo yake o nga maziyo uTixo.

ISAHLUKO 19.

**W**A pendula uJobe, wa ti,

2 Ko ze ku be nini ni hlupa umpenfundo wami, ni ngi hlaba ngamazwi?

3 Se ku zikati ezi isihlanu ni ngi sola: a ni nanhloni nokuba ni ya zenza, ni be lukuni kimi.

4 Nokuba ngonile impela icala lami li kimina ngedwa.

5 Nempela ni ya zikukumeza kimi ni qinisa ngami ihlazo lami na?

6 Azinike ukuba uTixo o ngi citile, wa ngi pahla ngeneta lake.

7 Bheka ngi ya kala ngi ti kubi; kodwa a ngi zwakali: ngi kalela ukusizwa kepa, ka ko o li tetayo icala.

8 U yi biyele indhlela yami ngi nge dhlule, u bekile ubumnyama ezindhleleni zami.

9 U ngapucile udumo lwami, wa susa umqele ekanda lami.

10 U ngi citile emacaleni onke, se ngi pelile: u susile ukwetenuba kwami njengomuti.

11 U ngi vusele ulaka lwake, u ngi balile njengezita zake.

12 Amabuto ake a hlangana, e ze kimi e vimbezele idokodo lami.

13 U ba bekile kude nami abafu wetu, nabangane bami ba hlukene nami impela.

14 Abakiti ba nyamalele, nezihlobo zami zi kohliwe imina.

15 Abahlalayo kwami, nezincekukazi zami zi ti ngi ngumfokazi; ngi ngo wezizwe emehlweni abo.

16 Ngi yi bizile ineeke yami, a yi sabelanga; nga yi ncenga ngomlomo wami.

17 Umoya wami u su mubi kumkami, nokuncenga kwami kubafo wetu.

18 Yebo, abantwana aba amashingana ba ya ngi delela; nga suka, ba kuluna ngami.

19 Nemihlobo yami yenhliziyi se ngi ya i nukela, nabo e nga ngi tandana nabo, se be ngi hlubukile.

20 Itambo lami li namatele esikumbeni sami na senyameni yami ngi sinde ngamazinyo kodwa.

21 O mihlobo yami! ngi haukeleni, ngi haukeleni; ngoba isandhla sika Tixo, si ngi patile.

22 Ni ngi hlupelani njengaye uTixo, a ni suti ngenyama yami na?

23 Sengati amazwi ami nga e baliwe! sengati nga e cindezelwa enewadini!

24 Sengati nga e lotyiwe ngepeni lensimba, na ngomtofu etyeni ku ze ku be u ngunapakade!

25 Ngoba ngi yazi unkululi wami u kona, nokuba ekupeleni u ya kuma emhlabeni:

26 Noko se u pelile umzimba wami, ngi ya ku m bona uTixo ngi nenyama yami.

27 Ngi ya ku m bona uqobo lwami, ngawami amehlo, e nge siye e ngi nga maziyo; umpfumlo wami u ya pela esifubeni sami.

28 Uma ni ti, Si ya ku m xotyisa kanjani na, ngoba isiqu sendaba si kimi?

29 Ma ni yesabe inkemba: ngoba ulaka lu veza izinhlupo zenkemba, ukuba nazi ku kona ukutetwa kwamacala.

WA pendula uZofari umNama wa ti,  
2 Ku ngaloko ke imicabango yami i ya ngi pendula, na ngenxa ya loko ngi ya tyetya.

3 Ngi ku zwe ukusolwa kwehlazo lami na? umoya wengqondo yami u ti ma ngi pendule.

4 U ya kwazi ini loko kwasendulo, seloku abantu ba bekwa emhlabeni:

5 Ukuba ukungqoba kwesoni ku futyane, nentokozo yomzenzisi e yesikatyana nje na?

6 Nokuba udumo lwake lu finyelela ezulwini, nenkemba yake i fika emafwini;

7 U ya kupela njengamasimba ake; a ba ke be m bona ba ya kuti U pi na?

8 U ya kunyamalala njengepupo, a nga be e sa tolakala: yebo, u ya kuxotywa njengokuputywayo ebusuku.

9 Iso ela ke la m bona, a li sa yi kupinda li m bone futi; nendawo yake a i sa yi kumazi.

10 Amadodana ake a ya kukonza kwabampofu, nezandhla zabo zi ya kubuyisela impahla yabo.

11 Noko amatambo ake e gewele ubutya bu ya kulala naye otulini.

12 Nokuba ukona ku mnandi emlonyeni wake, nokuba e ku tukusa pansi kolimi lwake;

13 Nokuba e ku londoloza njalo, e nga ku yeki, kepa e ku geina njalo emlonyeni wake;

14 Ukudhla kwake ko guqulwa esiswini sake ku be njengenyongo yebululu pakati kwake.

15 U gwinyile ukuceba wo buya a ku hlanze futi: uTixo u ya kukipa esiswini sake.

16 Wo munca isihlungu sebululu: u ya kubulawa ulimi lwenyoka.

17 A sa yi ku tokoza ngemifula, nozamecolo nemifulana yezinyosi nebetela.

18 Loko a ku sebenzelayo wo ku buyisela, ka so ze a ku gwinye: u ya kupindeliselwa oku ngangempahla yake, ka so ze a tokoze.

19 Ngokuba u ba hlupile; wa ba dela abampofu wa panga indhlu e ngakiwanga uye;

20 Loku ku nga peli ukunxanela kwa-ke, ka so ze a geina loko a ku fisayo.

21 Akuko okusindayo kwa ku fisayo, ngako imfuyo yake a i mi.

22 Ekusuteni kwake wo swela njalo:

izandhla zonke zezoni zi ya ku fikela kuye.

23 Ko ti ekusuteni kwake uTixo a m vusele ulaka lwake, u ya kumehlisele lona e sa dhla.

24 Ekubalekeni kwake, umkonto wesimbini, u ya kugwazwa umcibityelo wetusi.

25 U ya kitywa u pume emzimbeni wake; yebo, nenkamba e kazimulayo enyongweni yake wehlelewa izinsizi.

26 Ubumnyama bonke bu bekelwe ingcebo yake; umlilo o nga vutelwanga u ya ku m qeda; ku ya kuba kubi koselelo edokodweni lake.

27 Izulu lo bonakalisa isono sake; umhlaba u ya kumvukela.

28 Ukwanda kwendhlu yake ku ya kunyamalala ku muke ngonihla wentukutelo yake.

29 Loku ku isabelo, e si vela kuTixo, sesoni nefa e si li miselwe uTixo.

ISAHLUKO 21.

**K** EPA uJobe wa pendula wa ti, 2 Lalelani kahle amazwi ami, loku ma ku be induduzo kini.

3 Ngi vumeleni konake ngi ya kukuluma; lapo se ngi kulumile ni ngi binqe.

4 Mina ngi sola kumuntu na? Uma ku njalo, umoya wami u nge katazeke ngani na?

5 Ngi bhekisiseni, ni mangale, bambani imilomo ngezandhla zenu.

6 Lapo ngi cabanga nje ngi yesaba, inyama yami i tutumela.

7 Ku ngani ukuba abashingayo ba ya pila ba ze ba be badala, yebo, ba be namandhla na?

8 Inzalo yabo i yema pambi kwabo kanye nabo, abazukulwana ebusweni babo.

9 Izindhlu zabo zi nokutula a zi nakwesaba, noswazi luka Tixo a lwehleli pezu kwabo.

10 Inkunzi yabo i ya zeka, a i peli amandhla; inkomazi yabo i ya zala, a i punzi.

11 Ba pumisa izingane zabo zi nje-ngomhlambi, abantwana babo ba ya sina.

12 Ba hlabelele kakulu ngogubu nengkhile ba jabule ekuzwakaleni komtyingo.

13 Ba ya qeda imihla yabo ekuto-kozeni, ngomzuzwana ba tyona etuneni.

14 Ba tyo kuTixo, ukuti, Si yeke; a si tandi ukuzazi izindhlelele zako.

15 uSomandhla u ini, ukuba si m koonze, so zuzani uma si m kulekela na?

16 Bhekani, inhlanhla yabo a i ko esandhleni sabo; icebo laboni a li be kude nami.

17 Isibani sezoni si einywa kangakanana! nokuciteka ku zehlela kangakanana! uTixo u zabela izinsizi ngokutukutela kwake!

18 Ba njengezibi ezi qutywa umoya, ba njengamakoba a xotywa isipepo na?

19 uTixo u ya kubekela abantwana bake ukuhlutywa kwake; u ya m vuza, naye u ya kukwazi.

20 Amehlo ake a ya kukubona ukuciteka kwake, u ya ku lu puza ulaka luka Somandhla.

21 U nakujabula kuni endhlini yake ngasemva kwake, loku izinyanga zake zi nqunyiwe?

22 U kona o ya kufundisa uTixo ukwazi na? loku u yena o ba hlulayo aba pakamileyo.

23 Omunye u gqabuka amandhla ake e sa pelele, e tokoza e nokutula.

24 Amabele ake e sa gewele amasi, amatambo ake e se manzi umkantya.

25 Omunye u fa inhliziyo yake i nosizi e nga za nge a tokoze nakanye.

26 Ba ya kulala pansu emhlabeni bobabili, ba sityekelwe izimpetu.

27 Bhekani, ngi ya yazi imicabango yenu, namacebo enu e ni hlangene ngawo ukungicita.

28 Ni ti, I pi indhlu yekunzana na? A pi amadokodo ezoni na?

29 A ni ba buza nga ini abadhhlulayo endhleleni? a ni kwazi ini ukupendula kwabo?

30 Ukuba izoni zi bekelwa usuku lokubujiswa? ba ya kukitywa ngosuku lolaka.

31 Ubani o ya kubonisa indhlelele yake ebusweni bake na? Ubani o za ku m pindisela ngaloku a kwenzileyo na?

32 U ya kwehliselwa emangewabeni, a hlale etuneni.

33 Amagabade a sesihlanjani a ya kuba mnandi kuye, ba ya ku m landela bonke, njengokuba be nga balwa aba ngapanibili.

34 Ni zamelani ukungidnduza ngeze na, loku impendulo yenu i amanga?

ISAHLUKO 22.

**K** WA pendula uElifazi umTemani wa ti,

2 Umuntu u ya siza uTixo, njengoku-ba e zisisa na?

3 Ku ya m tokozisa uSomandhla ukuba u lungile na? ku ya m siza ini ukuba wenze izindhlela zako zi pelele na?

4 U ya ku kukuza ngenxa yokwesaba na? u ya kukumangalela na, e teta amacala?

5 Ukona kwako a ku ku kulu na? nezono zako zi nge namikaulo na?

6 Ngoba u cindezele umfo wenu ngesitembiso samanga, wapuca ompofu izingubo zake.

7 A u m puzisanga amanzi owomileyo, nolambileyo wa m neitya ukudhla.

8 O namandhla wa ngoba umhlaba; no nobunene wa hlala kuwo.

9 U mukisile abafelokazi beze, nemikono yezintandane yapulwa.

10 Ngako se u haqwe ugibe, nokwesaba ku ya ku zuma;

11 Nobumnyanya, ukuze u nga boni; namanzi amaningi a ya ku sibekela.

12 uTixo kako ini ezulwini elipakemeyo? bhekake izinkanyezi zi pezulu kude kangaka!

13 Wena u ti uTixo wazi kanjani na? A nga hlula ini e semva kwamafu amnyama na?

14 Amafu a isisibekelo kuye, ka boni yena; u ya hamba esiyingini sezulu.

15 U ya kugcina indhlela endala e kade i hanjwa izoni na?

16 E za ngunywa ku nga ka bi isikati sazo, isisekelo sazo sa kukulwa uzamcolo na?

17 E za ti kuTixo, Si yeke: uSomandhla wa e ngenzani kubo na?

18 Noko yena wa e gewalisile izindhlu zabo ngezibusiso, kepa amazwi abashingayo a kude nami.

19 Abalungileyo ba ya kubona, ba jabule: naba nge nacala ba ba hleka usulu.

20 Impela aba izita zetu ba ngunyiwe, nako konke okuseleyo kwabo ku qedwa umlilo:

21 Funda ngaye u be nokutula, kona u ya kwehlelwa okulungileyo.

22 Yamkela emlonyeni wake umteto, u wa gcine amazwi ake enhliziyweni yako.

23 Uma u pindela kuSomandhla, u xotye ukona ku be kude neudhlu yako, kona u ya kwakiwa.

24 U lahle igolide njengotuli, ne la se-Ofire njengamatye a semfuleni.

25 uSomandhla u ya kuba imfuyo yako, u be neliningi isiliva.

26 Kona wo tokoza ngoSomandhla, u pakamise ubuso kuTixo.

27 Wo kuleka kuye a kuzwe u feze izifungo zako.

28 Noma u funa into u ya kuyenzelwa: ku ya kukanya ezindhleleni zako.

29 Lapo abantu be zitoba, u ya kuti, kubo, Ku kona ukupakanyiswa; yena u ya kumsindisa o zitobayo.

30 Aba nge nacala u ya kubakulula: ba kululwa ngobumhlope bezandhla zake.

ISAHLUKO 23.

**K**ONA u Jobe wa pendula wa ti,  
2 Namhlanje ukusola kwami ku no-sizi: isandhla esi kimina si ya sinda ku nokububula kwami.

3 Kwa nga ngi ngazi ukuba ngi nga m tolapi ukuba ngi finyelele na sesihlalweni sake.

4 Ngilungisa indaba yami pambi kwake, ngi gewalise umlomo wami ngamaci.

5 Ngilungisa wazi amazwi a nga ngi pendula ngawo, ngi zwe a nga kutyo kimina.

6 U za ku ngi pikisa ngamandhla ake amakulu na? ca, a nga ngi zwela.

7 Kona olungileyo a nga pikisana naye, ngi kululwe kumahluhi wami o ngunapakade.

8 Bheka, ngi ya pambili kodwa amuko kona: na semva kodwa a ngi nakumbona.

9 Nga kwesokohlwa lapo e sebenza kona a ngi nakumbona: u ya zifihla nga kwesokunene ukuba ngi nga m boni.

10 Ngokuba u ya yazi indhlela e ngi hamba ngayo: lapo e se ngi hlolile ngi ya ku vela njengegolide.

11 Unyawo lwami lu namatela ezinyatelweni zake: indhela yake ngi yi geinile, a ngi ka pambuki.

12 A ngi hlehlanga emyalweni wezindebe zake; ngenzile igugu amazwi onlomo wake kakulu ku nokudhla kwami o ku ngi faneleyo.

13 Kodwa u into inye njalo; ubani o nga m guqulayo na? Okufiswa umpefumlo wake u ya kwenza.

14 Impela u ya kufeza oku ngi miselweyo nokuningi oku nje ku kuye.

15 Ngako ngi ya tutumela ebusweni bake, uma ngi qonda ngi ya nesaba.

16 uTixo u i dangalisile inhliziyoyami, uSomandhla u ya ngi hlupa.

17 Ngokuba a ngi iso isimungulu pambi kohlupo lwami napambi kwami ngi sityekelwa ubumnyama obukulu.

ISAHLUKO 24.

**K**U ngani loku izikati a zi fihlekile kuSomandhla bona abamaziyo a ba boni imihla yake na?

2 Ba kona a ba susayo imincele yezwe: ba panga imihlambi, ba yalusa:

3 Ba quba injomane yezinkedama, ba tata inkabi yomfelokazi i be isitembiso.

4 Abampofu ba ya ba kipa endhleleni: izihlupeki zomhlaba zi ya zitukusa ndawonye.

5 Bheka, ba ya emisebenzini yabo ngengezinjomane za sendhle ehlane; be vuka ekuseni ukufuna ukudhla, ubala ku bona lu indawo yokudhla kwabo nokwabantwana babo.

6 Ba ya vuna ukudhla ensimini yezoni, ba tokoze isivini sazo.

7 Abahambaze, ba ba lalisaze be nge nangubo emakazeni.

8 Be manzi izihlambi za sezintabeni ba ya sondela edwaleni, be funa indawo yokupepela.

9 Ba ya kumula izintandane ebeleni: ba tata okwabampofu ku be isitembiso.

10 Ba ba hambisaze abadingayo ba betwe izinyanda be lambile.

11 Abenza amafuta ezindhlini zabo: ba nyatele iziqamo zevini zabo be hlupelanga ngokoma.

12 Abafayo ba semzini ba ya bubula nonpefumlo wabatyayiwewo u kale, noko uTixo a ka naki ubuula babo.

13 Ba ilabo abahlubuka ekukanyeni, a ba zazi izindhlela zako, a ba hlali na semzileni yako.

14 Umbulali e vuka ngovivi u ya bulala ompofu nodingayo, ebusuku u ngenesela.

15 Iso lesipingi li qapela ukuswelela, si ti a ngi yi kubonwa iso; si zimboza ubuso baso.

16 Ebumnyameni ba ya fohla izindhlu bona ba ya zivalela emini, a ba kwazi ukukanya.

17 Ukusa kubo bonke ku itunzi lokufa; uma baziwa, behlelwa ukwesaba ubumnyama bokufa.

18 Ebusweni bamanzi u lula, emhlabeni si tukiwe isabelo sabo, a ka buyeli endhleleni yezivini.

19 Ukoma nokufudumala ku ya kukula amanzi ka ngqoqwane, li njalo netuna kwaba izoni.

20 Isisu si ya ku kohlwa uye, izimpetu zi mu dhle kamnandi a sa yi kukunjulwa njalo ububi bu ya kwapuka njengomuti.

21 Yena o wa ye hlupa inyumba e nga zaliyo, o ngenzanga okuhle kumfelokazi.

22 U ya bulala namaqawe ngamandhla ake, u yesuka, a nga bi ko o temba ukupila.

23 U ya vunyelwa ukuba a hlale kahle, a qine kuko, noko amehlo ake a pezu kwezindhlela zabo.

24 Ba ya pakanyiswa isikatyana nje, ba buye ba pele ba totyiswe, ba bube njengabo bonke abanye, ba ya nqunywa njengezihloko zezikwebu zamabele.

25 Uma ku nge njalo kaloku; ubani o nga ngi tyaya o namanga nenshumayelo yami i be ize na?

ISAHLUKO 25.

**K**ONA kwa pendula uBildade umShui, wa ti,

2 Ukubusa, nokwesatywa ku kuye, wenza ukutula ezindaweni zake ezipakamileyo.

3 Amabandhla ake a nga balwa na? Ubani o nga kanyiswa ukukanya kwa-ke na?

4 Poke, umuntu ku nga tiwa u lungile kanjani kuTixo na? A nga ba m hlope kanjani, yena o zelwe umfazi na?

5 Bheka, nenyanga a i kanyi: yebo, izinkanyezi a zi m hlope emehlweni ake.

6 Ku ninyane kangakananike umuntu o impetu, nendodana yomuntu o impetu?

ISAHLUKO 26.

**K**EPA uJobe wa pendula, wa ti, 2 U m sizile kanjani o nge namandhla na? U yi sindisa kanjani, ingalo i nge namandhla na?

3 U m yalile kanjani, o nge nakwazi na? U li pimisile kanjani iqiniso lenda-ba na?

4 U wa shumayeke kubani amazwi na? Umoya kabani o pume kuwe na?

5 Izitunzi zabafayo ezi pansu kwamanzi zi ya itutumela nabake kona.

6 Thaidesi li vulekile pambi kwake, nendawo yokubujiswa a i nasisibekelo.

7 Welula izulu la senyakato pezu kweze, u panyeka umhlaba ezeni.

8 U ya bopa amanzi emafwini ake; namafu a ka hlukani pansu kwawo.

9 U ya fihla isihlalo sake sokubusa, u yeneka ifu lake pezu kwaso.

10 U biyele amanzi, ku ze ku pele imini, nobusuku.

11 Izinsika zezulu zi ya tutumela, zimangale ngokuteta kwake.

12 U ya vusa ulwandhle ngamandhla ake, na ngokuqonda kwake u ya nquma abaziqenyayo.

13 Ngomoya wake izulu li ya kazimula, isandhla sake si bumbile inyoka ezi pindayo.

14 Bhekake loku ku izinxenyana nje zezindhlela zake, ku zwakala ukunyenyeza okuncinyane kwake, kodwa udumo lwamandhla ake ubani o nga lu qondayo na?

ISAHLUKO 27.

UJOBE welekela inshumayelo yake, wa ti,

2 uTixo o kona, o susile indaba yami, noSomandhla, o hlupile umoya wami;

3 Umoya wami u se kona pakati kwamini ku ze ku be kaloku, nomoya ka Tixo u semakaleni ami;

4 Izindebe zami a zi yi kushumayela okubi, nolimi lwami a lu yi kukohlisa.

5 Ma ku be kude nami ukuba ngi vume ukuti ni lungile; ngo ze ngi fe, ngi nga lahlanga ukulunga kwami.

6 Ukulunga kwami ngi ku bambisile, a ngi vumi uku ku yeka; inhliziyo yami a i yi ku ngi sola, ngi se kona.

7 Isita sami ma si be njengesoni, no-ngivukeleyo a be njengongalungile.

8 Ngokuba itemba lomzenzisi li ini, lapo e se nqunywa, lapo uTixo e se kipa umpfumlo wake.

9 uTixo wo kuzwa, ukukala kwake lapo e se hlelwe ukuthlupeka na?

10 Wo kwenama ngoSomandhla na? Wo m kulekela kuTixo njalo na?

11 Ngo ni fundisa ngesandhla sika-Tixo loku oku kuye umNinimandhla, a ngi yi kukufihla.

12 Bhekani nina nonke, ni ku bonile; po nina ni ziqenyelani?

13 Loku ku isabelo e sahlukaniselwa isoni, uTixo, nefa labahlupa abanye, aba ya kulamkela kumnimandhla.

14 Uma abantwana bake banda, bandela inkemba: inzalo yake a i yi kwe-suta isinkwa.

15 Laba aba salayo ba ya kumbelwa ukufa: abafelokazi bake ba nga m kaleli.

16 Noma e buta isiliva li be nga-

ngotuli, a lungise izingubo zi be nga ngenhlabati.

17 Noko e zi lungisa zi ya kufakwa abalungileyo; aba ngenacala ba lahlu-kanise isiliva.

18 U yaka indhlu yake njengenyundu, na njengexiba elakiwa umlindi.

19 Isicibi so lala pausi, kodwa a si yi kubutwa: si vula amehlo aso si pele.

20 Ukwesaba ku ya m fikela njengamanzi, isivunguvungu si ya m susa ebusuku.

21 Umoya wa sempumalanga u ya m tata a nyamalale: u m kukule endaweni yake, njengesipepo.

22 uTixo u ya kumtyaya, a nga m yeki: wo fisa ukubalekela isandhla sake.

23 Abantu ba ya kumtyayela izandhla zabo, ba m xotye endaweni yake.

ISAHLUKO 28.

IMPELA ku kona unitapo wesiliva nendawo yegolide aba li lungisayo.

2 Insimbi i kitywa emhlabatini namatye a veza itusi.

3 U ya nqamula ubumnyama u ya funisisa inxa zonke: amatye obumnyama, netunzi lokufa.

4 U yemba ungodini kude namakaya abantu ezindhleleni e se za kohlwa unyawo, ba ya lengalenga kude nabantu.

5 Umhlaba u veza ukudhla: ngapakati kwawo ku guqulelwe ku ngati umlilo.

6 Ematye awo ku vela isafire; notuli lwegolide.

7 Ku kona indhlela e ngaziwa nyoni, e nga bonwanga iso lenqe.

8 Amazinyane engonyama a za nge e i nyatela, nengonyama esabekayo e nga za nge i dhluke ngayo.

9 U yelulela isandhla sake etyeni; a gumbuqele izintaba ngezimpande zazo.

10 U ya bobosa ematye; iso lake li bone konke okuhle.

11 U ya vimbela amanzi a vuzayo a nga dhluke: okufihliweyo u ya kuveza obala.

12 Ingqondo i ya ku tolwapi na? Ipi indawo yokuhlakanipa?

13 Umuntu ka yazi intengo ngako; a ku tolakali ezweni labapilayo.

14 Ukujula ku ti, A ku ko kimi: no-lwandhle lu ti, A ngi nako kimina.

15 Ku nge zuzwe ngegolide, nesiliva a li nakulinganiswa nentengo yako.

16 Ku nge bekelane negolide la seOfi-re, nesadoniki eli igugu nesafeiro.

17 Igolide nekrustalo li nge lingane nako; ku nge pambaniswe amatye negolide elihle.

18 Ku nge kulunywe ngekorali namaparele: intengo yokuqonda i dhlula amarubi.

19 Itopazi la seKushi li nge lingane nako, ku nge bekelane negolide elihle.

20 Po, ingqondo i velapi na, i pi indawo yokuhlakanipa na?

21 Loku ku fihliwe emehlweni abo bonke aba pilayo, ku tukuswe ezinyonini zezulu.

22 Ukubujiswa nokufa ku ti, Si lu zwile udumo lwako ngezindhlebe zetu.

23 uTixo u ya yazi indhlela yako, yena u ya yazi nendawo yako.

24 Ngokuba u ya bheka imikaulo yomhlaba a bone konke ngapansi kwezulu.

25 Ukuba a linganise umoya namanzi ngesilinganiso:

26 Lapo wa misela invula umteto, nendhlela yonyazi lokuduma.

27 Kona wa ku bona wa ku veza, wa ku hlola.

28 Ebantwini wa ti, Bhekani ukumesaba uTixo, ku ukuhlakanipa: nokudela izono, ku ingqondo.

#### ISAHLUKO 29.

**U**JOBE welekela inshumayelo yake, u wa ti,

2 Sengati nga ngi njenga sezinyangeni ezadhululayo njengasemihleni lapo nga geinwa uTixo.

3 Lapo isibani sake sa kanya pezu kwekanda lami, lapo ngokukanya nga hamba ebuninyameni;

4 Njengokuba kwa ku njalo ngi sezinsukwini zokuvutwa kwami lapo okufihliweyo kuka Tixo kwa ku pezu kwedokodo lami;

5 Lapo umNimandhla wa be e se nami, nabantwana bami be sa ngi zungeza.

6 Lapo nga geza izindhlela zami ngobisi, itye la ngi telela imifula yamafuta.

7 Lapo nga puma nga ya esangweni la semuzini nga lungisa isihlalo sami endaweni yokutenga.

8 Kona izinziswa za ngi bona, za hlonipa: abadala besuka bema:

9 Amakosazana a yeka ukukuluma, u beka izandhla emilonyeni yawo.

10 Izinduna za tula, izilimi zazo za namatela ezimbovwini zazo.

11 Lapo indhlebe ya ngi zwa, ya ngi busisa: nalapo iso la ngi bona la ngi babaza.

12 Ngokuba nga m kulula ompofu okalayo, nentandane e nge namuntu wokuyisiza.

13 Ukubonga kwake o be sekufeni be kwehlela pezu kwami, ngenza inbliziyo yomfelokazi i jabule kakulu.

14 Nga faka ukulunga, kwa ba kimi: ukwahlula kwami kwa ku ingubo nomqele.

15 Nga ngi amehlo ezimpumputeni, nga ngi izinyawo kwa ba xugayo.

16 Nga ngi uyise wabampofu, indaba e ngi nga i qondiyo, nga yi hlolisisa.

17 Nga pula imihlati yowonayo, nga kipa a ku ntyontyayo emazinyweni ake.

18 Kona nga ti, ngi za kufa esidhlekene sami konje, ngi ya ku yandisa imihla yami i be nga ngesihlabati.

19 Impande yami ya xantela ngasemanzini, amazolo a lala ebusuku bonke emagatyeni ami.

20 Ukukanya kwami kwa ku se kuya kimi: umcibityelo wami wenziwa ngokutya esandhleni sami.

21 Abantu ba ngi lalela ba ngi linda, ba lalela ukutyo kwami ngokutula.

22 Ngasemva kwamazwi ami, a ba bonanga be kuluma futi: amazwi ami a consela pezu kwabo.

23 Ba ngi hlalela njengemvula: ba ngi kamisela imilomo yabo njengemvula yokugcina.

24 Uma ngi ba hlekela ba be nga kolwa: a ba bu delanga ubuso bami:

25 Nga hlala ngokujabula pakati kwabo, nga hlalisa o kwenkosi, nga hlalisa o kwenkosi i semabutweni ayo, njengoduduza abalilayo.

#### ISAHLUKO 30.

**K**EPA kaloku laba abancane ku nami ba ngi hleka usulu, oyise babo e nga ngi nga ba dedela, ukuba ba hlale nezinja zomhlambi wami.

2 Yebo, amandhla ezandhla zabo a nga ngi siza ngani, loku ukuvutwa kwabo se ku pelile.

3 Ngenxa yokuswela nendhlala ba be lamba: ba balekele ehlane e kade li nga naluto li ze.

4 Baka imifino ezihlahleni bema impande yejumipa i be ukudhla kwabo.

5 Ba xotywa ebantwini, ba ba kalela njengamasela.



6 Ba hlale emaweni ezigodi, emihume-ni yomhlaba na sematweni.

7 Ezihlahleni ba ya konya; ngapansi kwameva ba ya fumbalala.

8 Abantwana beziula, amadodana ama-shinga a ya xotywa ezweni.

9 Kepa kaloku se ngi isihlabelelo sabo, yebo, se ngi yisaga sabo.

10 Ba ya ngi dela ba ngi balekele, ba fele amate ebusweni bami.

11 Ngoba u kumulile intambo yami, u ngi hlupile, nabo ba kumulile umkala pambili kwami.

12 Esandhlani sami sokunene ku saka izinsizwa zi qube izinyawo zami, ngi zi vusela izindhlela zazo zokuciteka.

13 Ba yona indhlela yami, ba veze obala inhlupe yami, a ba namsizi.

14 Ba ngehlele njengempopomo yamanzi; ngi ngedwa, ba ziponsa pezu kwami.

15 Ukwesaba ku ya ngi cita: ku ya landela umpfumlo wami njengomoya: ukuhlala kahle kwami ku ya dhlula njengefu.

16 Umpfumlo wami u citekele pakati kwami: imihla yosizi i ngi bambisisile.

17 Amatambo ami a ya ngi hlaba ebusuku, imisipa yami a i pumuli ndawo.

18 Ngamandhla amakulu esifo sami, ingubo yami yonakele: i ngi bopa nje-ngokala webantyi lami.

19 U ngi ponsile odakeni, ngi ze ngi fana notuli nomlota.

20 Ngi ku kalela, ka u zwa; ngi yesuka, a u ngi naki.

21 U su ngi pata kabi: ngesandhla sako samandhla u ya ngi vimbezela.

22 U ya ngi pakamisa ngasemoyeni; u ya ngi kwelisa kuwo, u ya cita okwami.

23 Ngi yazi u ya ku ngehlisa ekufeni endhlini e miselwe bonke abapilileyo.

24 Yebo ukutandaza ku ize, uma e selula isandhla sake, nokukala a ku sizi luto ekuciteni kwake.

25 A ngi m kalelanga ini, yena o sekuhlupekeni na? Umpfumlo wami a u kalelanga ompofu na?

26 Lapo nga bhekela okulungileyo, okubi kwa ngehlela: lapo nga hlalela ukukanya, kwa vela ubumnyama.

27 Amatumbu ami a ya xuxuzela e nge nakutula; imihla yenhlupeko ya ngi pangela.

28 Nga hamba ngi mnyama ngi ngenziwe ilanga: ngema nga kala ebandhlani, ngi ti,

29 Ngi ngumfo wamankentyane, ngi unugane wezintye.

30 Isikumba sami si mnyama pezu kwami, amatambo ami a tyiswa umlilo.

31 Ugumbu lwami o lokulila, negankhle lami li izwi labalilayo.

### ISAHLUKO 31.

**N**GENZA isivumelwano namehlo ami: Npo, ngi nga cabangelani ngentombi na?

2 Ngokuba isipo sini sika Tixo esi vela pezulu? ifa lini lika Somandhla eli vela ezulwini na?

3 Ukuciteka asiko o kwabashingayo na? nomvuze omubi kwa benza okubi na?

4 A ka boni ini izindhlela zami? a ka bali izindhlela zami zonke na?

5 Uma nga hamba ngokuzidhla, uma unyawo lwami lwa qonda enkhlisweni.

6 Ma ngi linganiswe esilinganisweni esilungileyo, ukuba uTixo azi ukuqonda kwami.

7 Uma ngeduka endhhlani, inhliziyo yami ya landela amehlo ami, uma ku kona insila ezandhlani zami;

8 Kona ma ngi hlwayele mina ku dhle omunye, yebo ukudhla kwami ku qedwe.

9 Uma inhliziyo yami ya dukiswa umfazi, uma nga catya emnyango wendhlu yomakelwane wami;

10 Kona umkami ma silele enye indoda, ku kotame abanye pezu kwake.

11 Ngokuba loku ku icala elikulu: yebo, ku isono sokutetwa abahluli.

12 Ku umlilo o tyisayo ku ze ku pele u qede okwami konke.

13 Uma ngi dela indaba yenceku yami, neyencekukazi yami, lapo be pikisana nami.

14 Ngi ya kwenze njani, lapo ngi vukelwa uTixo na? nalapo eze kimi ngo m pendula ngi tini?

15 O wa ngi dala esiswini, a ka m dalanga yena na? a si dalwanga yini uye emunye na?

16 Uma nga m nqabela ompofu loku a ku fisayo ngenza amehlo omfelokazi a fipale;

17 Uma nga dhla ukudhla kwami ngedwa nje, nentandane i nga ku dhlanga.

18 Loku wa kulela kimi ngi se mncane nga ba umholi wake se loku wa zalwa,

19 Uma nga bona omunye e fa ngokuswela izingubo nompofu e swele a kwembatayo.

20 Uma ukalo lwake lu nga ngi busisanga, noma e nga fudunyezwa ubo-ya bezimvu zami;

21 Uma nga pakamisa isandhla sami kwabangenayise, lapo nga bona ongisizayo esangweni.

22 Kona ingalo yami ma i we esipangeni sami yapuke etanjeni.

23 Ngokuba ukucitwa uTixo ku yesabeka kimi, na nga pambi kwabakulu baka e ngi nakuma.

24 Uma ngenza igolide la ba itemba lami, nga ti egolideni elihle, Wena u itemba lami;

25 Uma nga jabula ngokuba nga be ngi cebile kakulu, ngokuba isandhla sami sa si zuzile kakulu;

26 Uma nga bona ilanga li balele, nenyanga i hamba i kanya;

27 Nenhliziyo yami ya yengwa isita, nomlomo wami wanga isandhla sami;

28 Naloku futi ku isono sokulahlwa abateti bamacala: ngokuba nga ku be nga pika uTixo o pezulu.

29 Uma nga jabula lapo o ngi zondayo e citeka, ngi zidhla lapo ahlulwa okubi:

30 A ngi u vumelanga umlomo wami ukuba wone, a nga fisa ukuba umpefumlo wake, u tukwe.

31 Uma abantu bedokodo lami be nga tyongo ukuti, u pi o nge sutanga inyama yake na?

32 O wezizwe a lalanga emgwaqweni; nga vulela isihambi iminyango yami,

33 Uma nga sibekela izonzo zami nje-ngoAdamu ngokutukusa esifubeni sami; ukona kwami.

34 Ngokuba ngesaba isixuku esikulu kuko ngetuswa ukudelwa abantu, nga tuta, a nga puma emnyango.

35 Sengati ku kona o nga ngi zwayo ngi fisa ukuba unNinimandhla a ngi pendule, sengati isita sami sa si nga loba incwadi.

36 Inpela nga ngi nga yi twala emahlombe ngi yi bopele ekanda lami njengomqele.

37 Ngi nga m tyela ubuningi bezindhlela zami, njengenkosi ngi sondele kuye.

38 Uma izwe la kiti li kala ngami, noma imidwa yalo i sola.

39 Uma nga dhla izitelo zalo, ngi nge namali, nga bulala abaninilo.

40 Ma ka hlume ameva endaweni yamabele, nokula lu vele endaweni yebale. Amazwi ka Jobe a pelile.

ISAHLUKO 32.

**K**ONA lamadoda amatatu a yeka uku m pendula uJobe, ngokuba wa e nge nacala emehlweni ake.

2 Kona ulaka luka Elihu, indodana ka Barakeli o wenzalo ka Ramu, umBuzi lwa vuta ulaka lwake lwa vuka ngoJobe ngokuba wa ti ngi lungile pambi kuka Tixo.

3 Na ngayo imihlobo yake emitatu, lwa vuka ulaka lwake, ngokuba ba be nga tolanga mpendulo, noko ba m lahla uJobe.

4 Kepa uElihu wa be e lindile uJobe e sa kuluma ngokuba ba be badala kunaye.

5 Lapo uElihu e bona ukuba a yiko impendulo emlonjeni wa lamadoda amatatu, ulaka lwake lwa vuka.

6 uElihu indodana ka Barakeli umBuzi wa pendula, wa ti, Mina ngi se mtya mina ni badala kakulu; ngako ngesaba a nga ni bonisa imicabango yami.

7 Nga ti a ku kulume Izinsuku, nobuningi beminyaka bu fundise ukuhlakanipa.

8 Kepa ku kona umoya kumuntu nokupefunila kuka Somandhla ku ya ba pa ukuqonda.

9 Amadoda amakulu a ka hlakanipi ngesikati sonke nabadala a ba qondi ukwahlula,

10 Ngako nga ti, Lalelani kimi, ngo ni bonisa ukucabanga.

11 Bhekani, nga linda amazwi enu; nga qapela ukushumayela kwenu, ni sa funa amazwi okupendula.

12 Yebo, nga ni talela, kepa bheka kwa ku ngeko kini namunye o wa malihlula uJobe, no wa pendula amazwi ake:

13 Funa ni ti, si tolile ukwazi; uTixo o m citileyo a siye umuntu.

14 Ngokuba a wa lungiselanga mina amazwi ake: nani a ngi yi kumpendula ngamazwi enu.

15 Ba mangula a ba be be sa pendula, amazwi a baleka kubo.

16 Ngi ba linde ngokuba be nga kulumi na? beme ba tute?

17 Nga ti, nani ngi ya kupendula okwami, ngi bonise okwami ukuqonda:

18 Ngokuba ngi gewele indaba, umoya pakati kwami u ya ngi quba.

19 Bheka, isisu sami si njengewaini, eli nge nandawo yokupuma; Se si lungele ukuquma njengamagaba amatya.

20 Ngi ya kukuluma ukuba ngi pefumle ngi ya kukamisa umlomo ngi pendule.

21 Ma ngi nga keti isimo somuntu ngi ya ni ncenga, ngi nga qambi abantu amagama okuba binqa.

22 A ngi kwazi ukuqamba amagama okubinqa: ngokwenze njalo, umenzi wami a nga ngi susa masinyane.

ISAHLUKO 33.

**N**GAKO Jobe a ke u zwe ukushumayela kwami, u lalele onke amazwi ami.

2 Bheka se ngi kamisile umlomo wami ulimi lu shumayele emlonyeni wami.

3 Amazwi ami a ukuqonda kwenhli-ziyo yami izindebe zami zi pumise ukwazi kahle.

4 Umoya ka Tixo u ngenzile, nokupefumla kuka Somandhla ku ngi pilisile.

5 Uma u nako uku ngi pendula, hlela amazwi ako pambi kwami, u me.

6 Bheka mina ngi njengawe, ngi ngo ka Tixo: nami u ngi dalile ngodaka.

7 Bheka, ukwesabeka kwami a ku yi kwetusa, nesandhla sami si nga ku cindzeli.

8 Impela u kulumile ezindhlebeni zami, ngezwa ukutyo kwamazwi ako, u ti,

9 Ngi mhlope, a ngi nabubi, ngi lungile, a kuko ukona kimi.

10 Bheka, u funa ituba lokungisola, u ngi bala u ti ngi isita sake.

11 U ya zi faka izinyawo zami ezingongolweni, a qapele izindhlela zonke zami.

12 Bheka ku loku a u lungile: ngi za ku kupendula ukuba, uTixo mkulu ku nomuntu.

13 U m pikiselani na? a ka bonakalisi nanye yezindaba zake.

14 uTixo u ya kuluma kanye, na kabili, noko umuntu e nge zwa.

15 Ekupupeni, esibonakalisweni sobusuku, lapo umuntu ehlele ubutongo, e lele embedeni wake.

16 Kona u ya vula izindhlebe zabantu, a vale isifundiso sabo.

17 Ukuba a nqande umuntu ekwenzeni kwake, a tukuse ukuzidhla kumuntu.

18 Ukugcina umoya wake u nga yi emgodini, nokupila kwake ekubujisweni inkemba.

19 U hlutywa ubuhlunga embedeni wake, namatambo ake a qaqamba kakulu.

20 Ngako ukupila kwake ku ya nengwa isinkwa, nomoya wake u zonda ukudhla okumnandi.

21 Umzimba wake u ya pela, u nga be u sa bonakala: namatambo ake a e nga bonakali a se vele obala.

22 Yebo, umpefumlo wake u sondela etuneni, nokupila kwake kubabubisi.

23 Uma ku kona isitunywa naye, nommeli, nomunye enkulungwaneni, ukubonisa umuntu ukulunga kwake.

24 Kona e nomusa kuye, u ti, Wo m kulula, a ngehleli emgodini: ngi fumene umhlauleli.

25 Umzimba wake wo ba muhle ku nowomntwana: u ya kupindela emihleleni yobutya bake:

26 U ya kukuleka kuTixo a be nomusa kuye: a bonise ubuso bake ngokujabula: u ya kubuyisela kumuntu ukulunga kwake.

27 U ya bheka abantu; uma ku kona o ti, Ngonile, ngeduka kokulungileyo, a ku ngi sizi luto;

28 U ya kukulula umpefumlo wake, u nga ngeni emgodini; nokupila kwake ku ya kubona ukukanya.

29 Bheka konke loku uTixo a ku sebenza kumuuntu kaningi.

30 Ukuze a buyise umpefumlo wake emgodini, ukuba a kanyiswe ukukanya kopilayo.

31 Qapela Jobe, u ngi zwe: tula u ti du, ngi za ku shumayela.

32 Uma u namazwi wo ngi pendula: kuluma ngokuba ngi fisa ukukutetelela.

33 Uma u nge nawo, lalélake: tula u ti du, kona ngo ku fundisa ukwazi.

ISAHLUKO 34.

**U**JELIHU wa pendula, wa ti,

2 Yizwani amazwi ami, nina bahlakanipileyo; lalélani ngezindhlebe zenu, nina e ni nokwazi,

3 Ngokuba indhlebe i ya hlukanisa amazwi, njengokuba umlomo u zwa ukudhla.

4 Ma si ziketele ukwahlula; ma si kwazi pakati kwetu okulungileyo.

5 Ngokuba uJobe u tyilo ukuti, Mina ngi lungile: uTixo u ngi susele ukwahlula kwami.

6 Ku ngi fanele ini ukuziqambela amanga? iuxeba lami a li nakupola ku ngeko icala.

7 U pi umuntu o fana noJobe, o puza ukudelela njengamanzi.

8 O hamba ndawonye nabenza okubi, nojayelene namashinga.

9 Ngokuba u tyilo ukuti, a ku sizi luto ukuba umuntu a zitokozise ngoTixo.

10 Ngako ngi laleleni nina bantu bengqondo: a ku be kude noTixo ukuba enze kabi, na kumNinimandhla, ukuba enze isono.

11 Ngokuba u ya kubuyisela umuntu imisebenzi yake, abantu bonke ba zuze ku be ilowo njengezindhlela zake.

12 Yebo, impela uTixo a yi kona, noSomandhla a yi kwedusa ukwahlula.

13 Ubani o m nikile umhlaba ukuba a u linde na? Ubani o misile umhlaba wonke na?

14 Uma e beka inhliziyi yake kumuntu, uma e zibutela umoya wake nompefumlo wake;

15 Inyama yonke i ya kububa kanyekanye, umuntu a peuduke utuli.

16 Uma u nengqondo, yizwa loku: u lalale ukutyo kwamazwi ami.

17 O zondayo okulungileyo u ya kubusa na? U ya ku m lahla olungileyo na?

18 Ku fanele ini ukuti enkosini, wena u mubi? nakumakosana ukuti nina ni ya m dela uTixo?

19 Po ku neane kanjani kuyena o nga nakiyo imizimba yamakosana, no nga ketiyo abacebileyo ku nabafokazana na? ngokuba bonke ba unisebenzi wezandhla zake.

20 Ba za kufa ngesikatyana, abantu ba za kuhlutywa ebusuku, ba nyamalale: no namandhla u ya kususwa si ngeko isandhla.

21 Ngokuba amehlo ake a qapele izindhlela zomuntu, u ya bona ukuhamba konke kwake.

22 Akuko ubumnyama aliko netunzi lokufa, lapo abenza okubi be nga catya kona.

23 Ngokuba ka yi kubeka pezu komuntu o ku nga m faneli; ukuba a ngene ekwahluleni noTixo.

24 U ya kuqoboza amadoda amakulu, e nga hlolanga, a beke abanye ezindaweni zawo.

25 Ngako u yazi imisebenzi yawo, u ya gumbaqela ebusuku, a ze a pele nya.

26 U ya ba tyaya njengaboni emehlweni abanye;

27 Ngokuba ba pindela emva, ba m

shiya, ba nqabe ukugcina ezindhlela zake.

28 Ba ze benze ukukala kompofu ku m fikele; u yezwa ukukala kohlupekayo.

29 Lapo e nika ukutokoza, ubani o ngahlupa na? Lapo e tukusa ubuso bake ubani o nga m bona? noma ku isizwe noma umuntu nje.

30 A nga busi o zenzisayo, funa abantu ba cutywe.

31 Impela kuhle ku tyiwo kuTixo, ukuti, mina ngi zwile ukuhlupeka, a ngi sa yi kona.

32 Loku e ngi nga ku boniyo, wo ngi fundisa kona: uma ngonile a ngi sa yi kupinda, ngone.

33 Ku fanele ini ku be njengokufisa kwako na? Yena u ya ku kupindisela, noma wena wala ukuketa; a si mina; ngako kuluma o kwaziyo.

34 Abanokwazi ma ba ngi tyele, umuntu ohlakanipileyo ma ngi zwe.

35 uJobe u kulumile e nge nakwazi, amazwi ake a be nge nangqondo.

36 Ngi fisa mina ukuba uJobe a buzwe, ku ze ku be sekupeleni, ngenxa yaloko a ku pendulayo ngamadoda amabi.

37 Ngoba u yenezela ukona ezonweni zake, u tyaya izandhla pakati kwetu, andise amazwi ake kuTixo.

#### ISAHLUKO 35.

UJELIHU wa kuluma futi, wa ti,

2 U cabanga u ti kuhle loku okutyi-loyo ukuti, ukulunga kwami ku dhlula ukulunga kukaTixo na?

3 Ngokuba u te, Ku ya ku ngi sizani na? ngi ya ku zuzani noma icala lami li suswa kimi na?

4 Ngi ya ku kupendula kanye nabangane bako.

5 Bheka izulu, u bone; qapela naumafu a pezulu ku nawe.

6 Uma wona u mona ngani yena na? Noma izono zako zanda, wenzani kuye na?

7 Uma u lungile u m nikani na? wamkelani esandhlени sako na?

8 Ukona kwako ku nga m limaza umuntu o njengawe: nokulunga kwako ku nga m siza umntwana womuntu?

9 Ngenxa yobuningi bezinsizi, zenza abahlutywayo ba kale; ba kala ngenxa yengalo yomandhla.

10 Kepa amuko o tyoyo ukuti u pi yena uTixo umenzi wami, o payo amagama ebusuku;

11 O si fundisayo kakulu ku nezilwa-

ne zomhlaba, no senza si hlakanipe ku nezinyoni zezulu.

12 Lapo be kala, ka muko o pendulayo, ngenxa yokuzidhla kwabantu ababi.

13 Impela uTixo a yi ku li zwa ize, no-mNinimandhla a yi ku kunaka.

14 Noma u ti a u yi ku m bona, ukwahlula ku pambi kwake noko; ngako temba kuye.

15 Kepa kaloku, ngoba a ku njalo, u bhekile olakeni lwake; kepa azi yena, nokuba u cindezekile.

16 Ngako Jobe u se kamisele ize; u yandisa amazwi a nge nangqondo.

ISAHLUKO 36.

**U**JELIHU wa quba, wa ti,  
2 Ngi yeke ingcosana ngi ze ngi ku bonise ukuba ngi se za ku m kulumela uTixo.

3 Ngi za kukuleta kude ukwazi kwami, ngi ti uMenzi wami u lungile.

4 Ngokuba impela amazwi ami a zu kuba amanga: opeleleyo ekwazini u pambini kwako.

5 Bheka, uTixo mkulu, ka deli umuntu; mkulu emandhleni na sengqondweni.

6 A ka m sindisi o ishinga: u ya ba pa abampofu okulungileyo.

7 A wa susi amehlo ake kwabalungileyo: kepa amakosi a sesihlalweni sobukosi; u ya wa misa ku ze ku be pakade; ukuba a pakanyiswe:

8 Uma e botywa ngensimbi: uma e banjwa izibelo zokuhlupeka;

9 Kona u ya wa bonisa imisebenzi yawo, nezono zawo, ukuba a m eyisile.

10 U ya vula izindhlebe zawo, ekululekweni a wa yale ukuba a buye ekoneni.

11 Uma e lalala, e m konza a ya kuhamba imihla yonke yawo, e jabula, e tokoza yonke iminyaka yawo.

12 Kepa uma e nga lalali, a ya ku qedwa inkemba, a ya kufa e nge nakwazi.

13 Kepa abazenzisayo ezinhliziyweni, ba qongelela ulaka: a ba kali lapo e ba bopile.

14 Ba fa be se batya, imihla yabo i kwabancolileyo:

15 U ya m kulula ompofu ekuhlupakeni kwake; a vule izindhlebe zabo ekucindezelweni.

16 Nawe nga e ku susile kanjalo engecingweni, wa ku hlalisa endaweni e banzi, lapo bu ngeko ubuncane: noku nga bekwa etebuleni lako ku nga nona.

17 Kepa uma u gewalisile ingqondo

yesoni; kona ukwahlula nokuhlutywa ku ya kukubamba.

18 Ngokuba ukutyisa kobuhlungu nga ku nga kwedusi ngobukulu bako, nohlalelo oluluklu lu nge ku kulule.

19 U ya ku bu naka ubucebi bako na? cabo, negolide, nobukulu bamandhla ako onke.

20 U nga fisi ubusuku lapo abantu be suswa ezindaweni zabo.

21 Hlakanipa, u nga naki okubi, ngokuba loku u ku ketile ku nokuhlupeka.

22 Bheka, uTixo u ya zipakamisa ngamandhla ake: ubani o fundisayo ngenge na?

23 Ubani o m misele indhlela yake? ubani o nga tyo ukuti wena wenzile okubi na?

24 Kumbula u kulise umsebenzi wake, a ba u bonayo abantu.

25 Abantu bonke ba nga ku bona; ba nga ku bona be kude.

26 Bheka, uTixo mkulu, a si mazi, nobuningi beminyaka yake bu nge tyiwo.

27 U ya wenyusa amatonsi amanzi: a buye a nise imvula njengenkungu yawo.

28 E yehliswa amafa a i tele pezu kwabantu ngamandhla.

29 Yebo u kona o nga qonda ukwendhlaleka kwamafu, nomsindo omkulu wedokodo lake.

30 Bheka, u ya zihaga ngokukanya, a zisibekele ngamanzi olwandhle.

31 Ngawo u ya hlula abantu; u ya pa ukudhla okuningi.

32 U ya sibekela ukukanya ngezandhla zombili, u ya kuyala ku nga kanyi, ngefu eli vela pakati.

33 Udumo lwake lu ya zisa ngaye nezinkomo futi ukwenyuka kwake.

ISAHLUKO 37.

**N**GENXA yaloku iuhliziyo yami i ya tutunela, i suke endaweni yayo.

2 Yizwa, zwisisa umsindo wezwi lake, nodumo olu puma emlonyeni wake.

3 U ya li pumisa ngapansi kwezulu lonke, nonyazi lwake ngasekugecineni komhlaba.

4 Emva kwalo ku duma udumo: u ya duma ngezwi lobukosi bake, a yi ku vimbela lapo ku zwakala izwi lake.

5 uTixo u ya duma ngamandhla ngezwi lake; wenza izinto ezinkulu e si nga zi qondiyo tina.

6 U ti kungqoqwane, Yehlela emhlabeni; na semvuleni encane, na semvuleni enkulu.

7 U ya vimbela isandhla sabantu bonke ukuba bonke bazi umsebenzi wake.

8 Kona izilwane zi ya ngeua enhlumeni, zi hlale ezindaweni zazo.

9 Ezingotyeni zake ku vela isivunguvungu : namakaza nga senyakato.

10 Ngokupefumla kuka Tixo ku vela iqwa, nobubanzi bamanzi bu hlanganiswe.

11 U yetwesa ifu elikulu ngemvula : u ya hlakaza ifu lokukanya kwake.

12 A penduke ngokutyo kwake : ukuba enze loko a ku tyoyo ezindaweni ezakhiweyo zomhlaba.

13 U ya kufikisa, ukuba ku be uswazi ezweni lake, nokuba ku be umusa.

14 Lalela loku Jobe, yima u kumbule imisebenzi ka Tixo e mangalisayo.

15 U yazi ini lapo uTixo wa lungisa, lapo wenza ifu lake li kanye na?

16 U yazi ini ukulinganiswa kwamafu, imisebenzi e mangalisayo yopeleleyo ekwazini konke na?

17 Nokuba izingubo zako zi fudumala lapo e tulisa umhlaba ngomoya wa seningizimu.

18 Welulile kanye naye izulu na? eli namandhla, li fana nesibuko?

19 Si fundise loku oku si fanele ukutyo kuye ; ngokuba si nge hlele amazwi etu ngobumnyama.

20 U ya kutyelwa ini ukuba ngi ya kuluma? Uma ununtu e kuluma impelela u zo bujiswa.

21 Kaloku abantu a ba boni ukukanya oku kazimulayo emafwini : umoya u ya dhlula u wa hlanze.

22 Izulu elihle li vela ngasenyakato ; kuTixo ku kona inkazimulo enkulu.

23 Ngaye umNinimandhla, si nge m qonde : u lungile emandhleni, na sekwahluleni kwake, ekulungeni okukulu a yi ku hlupa.

24 Ngako abantu ba ya mesaba : A ka naki muntu o zi tyoyo ukuba u hlakanipile.

ISAHLUKO 38.

**U**JEHOVA wa pendula uJobe e sesivunguvungwini wa ti,

2 Ubani lo o putisa icebo ngamazwi a nge nakuqonda?

3 Bopake ukalo lwako njengendoda ngokuba ngi za kukubusa, u ngi pendule.

4 Wa u pi lapo ngi beka izisekelo zomhlaba na? yityo, uma u nokuqonda.

5 Ubani o wa beka izilinganiso zawo

uma wazi na? ubani o welula intambo pezu kwawo na?

6 Izisekelo zawo za qiniswa pezu kwani na? ubani o wa beka itye legumbi lawo na?

7 Lapo izinkanyezi zokusa za hlabelela kanye, kwa ti amadodana onke aka Tixo e nanela ngokujabula?

8 Ubani o wa valela ulwandhle ngeninyango lapo lwa boboka se nga ti lu puma esiswini?

9 Ngenza ifu li be isivato salo, nobunnyama obunzima bu be imbeleko yalo :

10 Nga li misela umteto wami nga misa imivalo neminyango.

11 Nga ti, u ya kugcina lapa, u nga dhluli na lapa, ukukukumala kwamanzi ako ku ya kupela.

12 Se loku wa zalwa wa ke wa tyo ukuba a ku se, wazisa ukusa indawo yako.

13 Ukuba ku bambe imikaulo yomhlaba ababi ba vutululwe kuwo.

14 U guqulwa njengebumba pansi kwesicindezelo : konke ku ma njenge-sivato.

15 Kwababi ukukanya ku ya vinjelwa nengalo e pakanileyo i ya kwapulwa.

16 U ngenile emitonjeni yolwandhle na? kuko u hambile ukufuna ukujala na?

17 Amasango okufa wa wa vulelwa na? kuko wa bona iminyango yetunzi lokufa na?

18 Nobubanzi bomhlaba u bu qondile na? yityo uma u kwazi konke.

19 I yipi indhlela e hlala ukukanya na? nobumnyama ipi indawo yabo na?

20 Ukuba a ku yise emikaulweni yako na? nokuba wazi izindhlela za sendhlini yako na?

21 U kwazi ngokuba wa se u zelweke na? kuko i ngokuba umumo wezinsuku zako unokuba na?

22 U ngenile ezingosini zika ngqoqwane na? kuko u bonile izingosi zesiqoto na?

23 E ngi ku bekele isikati sosizi nosuku lokulwa nempi na?

24 I yipi indhlela yokwahlukana kokukanya, na lapo umoya wa sempumalanga u cтека kona emhlabeni na?

25 Ubani o wa hlukanisa indhlela yokugoboza kwamanzi nendhlela yonyazi lokuduma na?

26 Ukunisa inavula emhlabeni lapo ku

ngeko muntu na sehlane e li nge namuntu.

27 Ukusutisa izwe eli ze eli putileyo, nokwenza ihlumela lomuti otambileyo li hlume.

28 U kona uyise wemvula na, ubani o wa zala amatonsi amazolo na?

29 Unggoqwane wa vela esiswini sika bani na? neqwa elimhlope la sezulwini la vezwa ubani?

30 Amanzi, a fihleka okungati a fihlwe itye nobuso bolwandhle bu ya qina.

31 U nga bopa izibopo zesiLimela u tukulule amagoda aka Cwazibe na?

32 U nga pumisa izinkanyezi esikatini sazo u nga hola uUrsa Majori nabantwana bake na?

33 U ya zazi izimiso zezulu na? u mise ukubusa kwazo emhlabeni na?

34 U nga pakamisela izwi lako emafwini ukuba izimpopomo zamanzi zi ku gubuzele na?

35 U nga tumela unyazi ukuba lu hamba lu ti kuwe si lapa.

36 Ubani o wa beka ukuhlakanipa ngapakati no wa nika inhliziyo ukuqonda na?

37 Ubani o nga bala amafu ngokwazi no nga tambeka amagaba ezulu na?

38 Lapo utuli se lu hlangene namagade se e namateleni na?

39 U ya zingela okokudhliwa ibubesi kuko u sutise isisu samaundhlu alo na?

40 Lapo'e lala emigodini yawo noma e hlezi e lindile ehlozini na?

41 Ubani o wa m kelisa igwababa ukudhla kwalo lapo amazinyane alo e kala kuTixo e zula ngokuswela ukudhla na?

ISAHLUKO 39.

U YA sazi isikati sokuzala kwezinyamazane za sendhle zewa na? U nga ku bona ukuzala kwembabala na?

2 U nga zi bala izinyanga ezi zi qedayo na? u ya sazi isikati ezi zala ngaso na?

3 Zi ya zigoba, zi pumise amazinyane azo, zi kipe ubuhluangu bazo.

4 Amazinyane azo a kula e qinile a kulele endhle, a ya muka a nga be e sa pindela kuzo.

5 Ubani o wa kipa imbongolo e kululekileyo na? no wa kulula izibopo zedube la sendhle na?

6 E ngenza ihlane li be indhlu yalo nobala lu be izindawo zalo zokudhlala.

7 Li ya kudelela ukuxokozela kwa se-

muzini, li nga ku laleli ukumemeza komtyayeli.

8 Li ya zula ezintabeni, edhlelweni lalo li funa oku luhlaza.

9 Ubejane u ya kuvuma ukukonza kuwe, a hlale esibayeni sako na?

10 U ya m bopela ubejane ngentambo emseleni na? kuko u ya ku buqa izimfunda emva kwako.

11 U ya kumtemba ngokuba amandhla ake e makulu u yeke umsebenzi wako kuye na?

12 U ya kukolwa uye, ukuba u ya ku yi buyisa imbeu yako a i butele esibayeni sako na?

13 Ipiko lentye li ya pepezele masinyane, kepa ipiko nezimpape ezinhle na?

14 Cabo! I ya shiya amaqanda ayo esihlabatini i wa fundumeza otulini.

15 Li ya kohlwa ukuba unyawo lu wa fohloza nokuba isilwane sa sendhle si wa bulale.

16 I wa pata kalukuni amazinyane ayo sengati a si wo a wayo: umsebenzi wayo u ize, u i kataleli ngawo.

17 uTixo wa yenza i nga bi nangqondo, a ka yi nikanga ukuhlakanipa.

18 Esikatini, i ya zityaya, i zipakamisele pezulu i delele ihashi nokwele kulo.

19 U ya li nika ihashi amandhla alo na? u ya i gqokisa intamo yalo ngokuzamazama na?

20 U ya lenza ukuba li xume njenge- nkumbi na? udumo lwamakala alo lu yesabeka.

21 Li yemba emfundeni, lename ngamandhla alo: njalo li ya puma ukuhlangabeza abahlomileyo.

22 Li ya kuhleka ukwesaba; a letuki; a li hlehli na pambi kwenkema.

23 Umgodhla u ya kwehlezele kulo, umkonto okazimulayo nenhlendhla.

24 Ngokwesabeka kwalo na ngolaka lwalo li ya gwynya umhlabati. Uma li kala itilongo a li be li sema li tule.

25 Ekuzwakaleni kwetilongo li ti aha! li zwe ngokunuka ukulwa ku se kude; udumo lwamakosi nokwenanela.

26 Ukozi lu ndiza ngokwazi kwako lwelulele amapiko alo ngaseningizimu na?

27 Inqe lenyukela pezulu ngezwi lako; lake isidhleke salo pezulu na?

28 Li yaka li hlale edwaleni esiqongweni sedwala indawo e inqaba:

29 Li puma kona li fune ukudhla kwalo; iso lalo li ku bona li kude.

30 Amazinyane alo a munca igazi, la-  
pa ku kona okufileyo li ba kona nalo.

ISAHLUKO 40.

UJEHOVA wa m pendula uJobe, wa  
ti,

2 Umsoli u ya kupikisana noSoma-  
ndhla na? Omlulekayo uTixo ma pe-  
ndule kuko.

3 Kona uJobe wa pendula uJehova  
wa ti,

4 Bheka ngi mubi! Ngi za kukupe-  
ndula ngi tini na? Ngi ya kubeka isa-  
ndhla sami pezu komlomo wami.

5 Se ngi kulumile kanye, kodwa a ngi  
yi ku pendula futi: yebo nakabili, a ngi  
yi ku qubekela pambili.

6 uJehova e sesivunguvungwini wa  
pendula uJobe wa ti,

7 Bopa ukalo lwako njengendoda, ngi  
ya kukubuzwa u ngi pendule.

8 U ya kucita ukwahlula kwami na?  
u ngi lahle ukuba u be o lungileyo na?

9 U nengalo e njeng eka Tixo na? u  
nga duma ngezwi njengaye na?

10 Zihlobiseke ngodumo nangobukosi,  
u zivateke ngokukazimula na ngobuhle.

11 Kipa ubuningi bolaka lwako, u  
bheke bonke abaziqunyayo u ba tobise.

12 U bone bonke abazidhlayo u ba  
gobe: u nyatele ababi ezindaweni zabo.

13 U ba tukuse otulini ndawonye: u  
valele ubuso babo ebumnyameni.

14 Konake ngi ya kuvuma kuwe uku-  
ba isandhla sako sokunene si nga ku si-  
ndisa.

15 Bhekake imvubu, e nga yenza ka-  
nye nawe, i ya dhla utyani njengenkabi.

16 Qonda amandhla ayo, a sokalweni  
lwayo, nokuqina kwayo ku senkabeni  
yesisu sayo.

17 I ya zamazamisa umsila wayo, nje-  
ngomuti wesedare: imisipa yamatanga  
ayo i tandene.

18 Amatambo ayo, a njengezinsika ze-  
tusi: na njengemivalo yensimbi.

19 I ya i dhula imiselenzi ka Tixo:  
umdali wayo wa yi pa isinkemba sayo.

20 Keba izintaba zi ya i vezela uku-  
dhla lapo ku dhala kona zonke izilwa-  
ne za sendhle.

21 I ya lala pantsi kwemiti e nemitun-  
zi ekusiteni komhlanga, na semaxapo-  
zini.

22 Imiti e nemitunzi i ya i sitibeza  
ngamatunzi ayo: imiti ya semfuleni i  
ya i pahla.

23 Bheka umfula u pupumela pezu

kwayo, a yetuki, noko iJordani li ha-  
mba pezu komlomo wayo a i zamazami.

24 Ba ya i bamba pambi kwamehlo  
ayo na? ba i hlabe ikala layo ba li bope  
ngentambo na.

ISAHLUKO 41.

U NGA kipa ileviatani ngodobo na?  
u nolimi lwake ngentambo o yehlisa-  
yo na?

2 U nga faka udobo ekaleni lake na?  
u bobose umhlali wake ngomhluhuwe  
na?

3 U ya kukuleka kaningi kuwe na? a  
kulume amazwi a tambileyo kuwe na?

4 U ya kwenza uvumelwano nawe na?  
u ya kumenza a be inceku ku ze ku be  
pakade na?

5 U ya dhala naye njengenyoni na?  
u m bopele izincekukazi zako na?

6 Abalobi abahlangeneyo ba nga m  
tenga ba buye ba tengise ngaye kwaba-  
nye abatengi na?

7 U nga gewalisa isikumba sake nge-  
nsimbi e cityileyo na? nenhloko yake  
ngemikonto yezihlanzi na?

8 A ke u m pate nje, kumbula impi u  
nga pindi okunye.

9 Bheka u kwetemba ukumbamba ku  
ize, ngokumbona nje umuntu u yesaba.

10 A muko o nesibindi sokumvusa:  
Ubanike po o ngema pambi kwami na?

11 Ubani o wa qala wa ngi pa ukuba  
ngi ku buyisele kuye na? loku konke  
oku nga pansu kwezulu ku ngokwami.

12 A ngi yi ku wa filha amalungu ake  
namandhla ake, nesimo sake esihle.

13 Ubani o nga bonakalisa ubuso besi-  
vato sake na? ubani o nga ngena pakati  
kwemihlali yake na?

14 Iminyango yobuso bake ubani o  
yi vulayo? nga semazinyweni ake ku  
yesabeka.

15 Ukuziqenya kwake, ku zihlangu  
ezi namandhla zake, zi hlanganisiwe ne-  
sinamateliso esiqinisiweyo.

16 Zi sondelene ku nge ngene umoya  
pakati kwazo.

17 Zi hlangene, zi namatelene, a zi na-  
kwahlukaniswa.

18 Ukutimula kwake ku ya veza uku-  
kanya: amehlo ake a njengokubeja ko-  
kusa.

19 Emlonyeni wake ku puma izihla-  
nti nezihlanzi zomlilo zi ya qatya.

20 Emakaleni ake ku puma umusi,  
njengekanzi elibilayo, noma imbiza.

21 Ukupefumla kwake ku ya pemba



amalahle, ku puma ilangabi emlonyeni wake.

22 Entanyeni yake ku hlala amandhla, ku kona ukwesabeka pambi kwake.

23 Inyama yebilo lake i hlangene, i qinile a i zamazami.

24 Inhliziyo yake i qinile njengetye, yebo i qinile njengetye lokusila eli ngapansi.

25 Ekuzipakamiseni kwake abanamandhla ba yesaba ngenxa yevuso ba ye geja.

26 Inkemba yake o m tyayo a i nakuma, nomkonto, noncibityelo, nebantyi lensimbi.

27 U ti insimbi, utyani, netusi, umuti obolileyo :

28 Umcibityelo a u nakumbalekisa : amatye elengiso a njengezibi kuye.

29 Imicibityelo i njengezibi u ya hleka ukuvivinywa komkonto.

30 Ngapansi kwake ku kona amatye a cijileyo, wenza ngokungati izinto ezi cijileyo pezu kodaka.

31 Wenza ulwandhle lu bile njengekazi ; wenza ulwandhle lu be njengembiza yamafuta.

32 U shiya indhlela e kazimulayo emva kwake : umuntu, a nga ti ulwandhle lu ngwevu.

33 Emhlabeni a kuko oku fana naye, o kwenziwa a kwa ba nakwesaba.

34 U ya kubuka konke okupakemeyo : u inkosi pezu kwabo bonke abazidhlayo.

ISAHLUKO 42.

**K**ONAKE uJobe wa pendula uJehova wa ti,

2 Ngi yazi u nga kwenza konke, akoko cebo o ku nge nqatywa nabo kuwe.

3 Ubani lo o putisa icebo ngamazwi a nge nakwazi na? Mina kambe ngi kulunile loku e ngi nga ku zwanga : okuku lu ku nami e be ngi be nga kwazi.

4 Yizwa manje nami ngi zo kuluma, ngi cela ukuba u ngi lalele.

5 Ngi ku zwile ngokuzwa kwendhlebe ; kaloku iso lami li ku bonile.

6 Ngako ngi ya zilahla, ngi ya penduka, ngi sotulini na semloteni.

7 Kwa ti uJehova se e kulumile lama-

zwi kuJobe, wa ti, uJehova kuElifazi umTemani, Ulaka lwami lu ya vuta kuwe na kuzo izihlobo zako ezimbili ngokuba a ni kulumile kahle ngami njengenceku yami uJobe.

8 Kalokuke zitataleni izinkunzi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa ni ye encekwini yami uJobe ni ziuikelele umnikelo wokutya, inceku yami uJobe i ya ku ni kulekela : yena ngi ya ku m vumela : funa ngi ni pate njengobuula benu ; ngokuba a ni ku kulumile oku iqiniso ngami njengenceku yami uJobe.

9 Konake ba hamba oElifazi umTemani noBildade umShuhi, noZofati umNama benze njengokutyo kuka Jehova kubo : uJehova wa m vumela uJobe.

10 uJehova wa buyisa ukutunjwa kuka Jobe lapo wa kulekela izihlobo zake, uJehova wandisa konke uJobe a be e nako kwa pindwa kabili.

11 Ba ti beza kuye bonke abafu wabo nodade wabo bonke ; nabo bonke a ba bazana naye kuqala, ba dhla ukudhla naye endhlini yake, ba m kalela ba m duduza ngako konke okubi uJehova a be kwehliselé pezu kwake, kwa ilowo wa m nika imali, kwa ilowo indandato yegolide.

12 Njalo uJehova wa busisa ukupela kuka Jobe ku nokuqala kwake, wa e nezimvu ezi izinkulungwane ezi ishumi nane, namakamelo a izinkulungwane ezi isitupa, nezinkabi ezi izinkulungwane ezimbili, nezinjomane zezinsikazi ezi inkulungwane.

13 Wa ba namadodana a isikombisa, namadodakazi amatatu.

14 Wa biza igama leyokuqala uJemima ; negama leyesibili uKezia ; neleyesitatu uKerenhapuki.

15 Ezweni lonke a ku funyanwanga namunye kwabesifazana o bukeka kahle njengamadodakazi ka Jobe. Uyise wa ba pa ifa pakati kwabane wabo.

16 Ngasemva kwaloko uJobe wa pila, wa ba neminyaka e ikulu namashumi amane, wa bona amadodana ake namadodana amadodana ake, kwa za kwa ba izizukulwana ezine.

17 uJobe wa fa e semdala, e neminyaka eminingi.

# IZIHLABELELO.

## ISIHLABELELO 1.

**U** YA busiswa umuntu o nga hambisi ngokuyala kwababi, o ngemi endhlehleni yezoni, o nga hlali nasenhlanganweni yezigangi.

2 Kanti okutokoza kwake ku semetweni ka Jehova; o zindhlayo ngemiteti yake ngemini na ngobusuku.

3 Yena wo ba njengomuti o tyaliwe ngasemifuleni yamanzi, o ya ku tela izinhlamvu zawo ngesikati sawo: Amahlamvu awo a ka yi ku buna; ko ti koke a kwenzayo ku lunge.

4 Ababi a ba njalo; kanti ba njengamakoba wona e muka nomoya.

5 Ngaloku ababi a ba yi ku ma ekwahluleni, nezoni emhlanganweni wabalungileyo.

6 Ngokuba uJehova u ya yazi indhlela yabalungileyo, kanti indhlela yababi yo buba.

## ISIHLABELELO 2.

**K** U ngani ukuba izizwe zi kokozele nabantu ba eebe izwe?

2 Amakosi omhlaba nezikulu zi hlanganele ukunqaba uJehova, noMesiawake, be ti,

3 Ma si gqabule izibopo zabo, si lahleki tina izintambo zabo.

4 Yena o hlezi ezulwini wo hleka; iNkosi i ya ku ba delela.

5 Lapo u ya kukuluma kubo ngolakalwake; a b'etuse ngokuvuta kwentukutelo yake.

6 Kanti ngi geobile iNkosi yami eZioni, intaba yami e ingewele.

7 Ng i ya kushumayela isimiso; uJehova u tyilo kimi ukuti, U iNdodana yami wena; namhla ngi ku zele.

8 Cela kimi, ngi ku pe izizwe zi be ifalako, nemikaulo yomhlaba i be imfuyo yako.

9 Wena wo bapula ngentonga yensimbi, u ba pahlaze njengesitya sombumbi.

10 Kalokuke hlakanipani nina makosi; nina bahluli bezwe ni yaleke.

11 Konzani uJehova ngokwesaba, ne-tabe ngokututumela.

12 Ni yange iNdodana, i ze i nga tukuteli, ni kube endhlehleni, ngokuba ulakalwayo lu ya kuvuta masinyane. Ba ya busiswa bouke a ba yi tembayo.

## ISIHLABELELO 3.

Isihlabelelo sika Davida ekubalekeni kwake ebusweni buka Absalomu indodana yake.

**J** EHOVA, izita zami z'andile kangaka! baningi aba ngi vukeleyo.

2 Banningi a ba tyo kuwo umpefunlo wami, ukuti, Akuko kuye ukusinda kuTixo. Sela.

3 Kepa wena Jehova u isihlangu esi ngi pahlayo; u ngukukazimula kwami, nopakamisa ikanda lami.

4 Ngezwi lami ngi ya kala kuJehova, yena u ya ngi zwa e sentabeni yake e yingewele. Sela.

5 Nga lala pansu nga ba nobutongo nga vuka; ngokuba uJehova wa e ngi pete.

6 A ngi yi kwesaba ngabantu aba izinkulungwane ezi ishumi aba ngi vimbelazelayo.

7 Vuka Jehova, u ngi sindise Tixo wami; ngokuba u tyaye zonke izita zami emhlatini; u wa pulile amazinyo ababi.

8 Ukusindiswa ku kuye uJehova; ubusiso lwako lu pezu kwabantu bakö. Sela.

## ISIHLABELELO 4.

Kumholi wokuhlabelela ngogubu. Isihlabelelo sika Davida.

**N** GI zwe ekubizeni kwami Tixo wokulunga kwami: encingweni wenze kwa ba banzi kimi; yiba nomsa kimi, u zwe umtandazo wami.

2 Madodana abantu, ko za ku be nini ubukosi bami bu sekudelelweni? no fisa ize, ni fune amanga ku za ku be nini na? Sela.

3 Kepa yazini ukuba uJehova u zahlukanisele ohlonipayo: uJehova u ya kuzwa lapa ngi biza kuye.

4 Yesabani ni ngoni; kulumani enhliziyweni yenu ni sokukweni lwenu, ni tule. Sela.

5 Nikelani iminikelo elungileyo, ni tembe kuJehova.

6 Banningi aba ti, Ubani wo si bonisa okulungileyo na? Pakamisa pezu kwetu ukukanya kobuso bako Jehova.

7 U beke injabulo enhliziyweni yami, ku na lesosikati ukolweni wabo newaini labo la li vama ngaso.

8 Ngo eambalala, ngi lale ngokutula,

ngokuba wena, Jehova, wedwa u ngi hjalisa ngokwetemba.

ISIHLABELELO 5.

Kumholi wokuhlabelela ngemityingo; Isihlabelelo sika Davida.

**Y**IZWANI amazwi ami, Jehova, u qonde ukukala kwami:

2 U lalale kulo izwi lokuncenga kwami, Nkosi yami, Tixo wami; ngokuba ngo tandaza kuwe.

3 Jehova, u ya kulizwa izwi lami kusasa; kusasa ngi ya kulanda kuwe, ngi linde.

4 Ngokuba wena a u siye uTixo o tанда okubi; omubi a ka yi ku hlala kuwe.

5 Abazidumisayo a ba yi ku ma pambi kwamehlo ako, u ba zonda bonke abenza okubi.

6 U ya kubabubisa aba kuluma amangazi; uJehova u ya dinwa umuntu wegazi nenkohliso.

7 Kepa mina ngi ya kungena endhlini yako ekuvameni komusa wako; ngi kotame ngoku ku hlonipa etempeleni lako eli ingewele.

8 Jehova, ngi hole ngokulunga kwako ngazo izita zami; u lungise indhlela yako ebusweni bami.

9 Ngokuba akuko okuqinisileyo emlonyeni wabo; imbilini yabo i ukonakalisa; umpimbo wabo u ituna eli vulekileyo; ba ya tyelela ngolimi lwabo.

10 Ba lahle Tixo; ma ba we ngokuqondisa kwabo; ba kapeze ngobuningi bezipambeko zabo; ngokuba ba hlubukile kuwe.

11 Kepa ma ba jabule bonke a ba temba kuwe; ma ba mimize ngenjabulo njalo, ngokuba wena u ya ba sibekela; ma betabe kuwe bona a ba tanda igama lako.

12 Ngokuba wena, Jehova, wo busisa olungileyo; wo m hlobisa ngomusa ngenesihlangu.

ISIHLABELELO 6.

Kumholi wokuhlabelela ngogubu pezu kwesishiyagalobili; Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, ma u nga ngi lungisi ngolaka lwako, u nga ngi tyayi ngokuvutakwentukutelo yako.

2 Yiba nomsa kimi, Jehova; ngokuba ngi dangele; ngi lulamise, Jehova, ngokuba amatambo ami a ya tutumela.

3 Nawo umpefumlo wami u ya tutumela kakulu; kepa wena, Jehova, wo libala ku ze ku be nini na?

4 Buya, Jehova, u kulule umpefumlo wami; u ngi sindise ngawo umusa wako.

5 Ngokuba akuko ukukumbula wena ekufeni; eSheoli ubani o ya kukubongana?

6 Ngi katele ngokububula kwami; ngi ntantisa ukuko lwami ubusuku bonke; ngi manzisa umbedi wami ngezinyembezi zami.

7 Iso lami li ya zaca ngokukatazeka; li ya guga ngazo zonke izita zami.

8 Dedani kimi nina nonke e nenza okubi; ngokuba uJehova u zwile izwi lokulila kwami.

9 uJehova u zwile ukubelesela kwami; uJehova u ya kwanikela ukutandaza kwami.

ISIHLABELELO 7.

Isihlabelelo sika Davida, a si hlabelela kuJehova ngamazwi a ka Kushi umBenjimini.

**J**EHOVA, Tixo wami, ngi yetemba kuwe; ngi sindise kubo bonke a ba ngi zingelayo, u ngi kulule.

2 Funa a dabule umpefumlo wami u jengebubesi, a wu fihlize ku ngeko okululayo.

3 Jehova, Tixo wami, uma ngi kwenzile loku; uma ku kona okubi ezandhlени zami;

4 Uma ngi m enze okubi umhlobo wami; noma ngi m pangile o ngi hlupayo ngeze.

5 Isita ma si lande umpefumlo wami, si wu bambe; si bu nyatele panshi emhlabatini ubomi bami, si beke ubukosi bami otulini. Sela.

6 Ma u me, Jehova, ngolaka lwako, u zipakamise ekutukuteleni kwezita zami; u vukele mina ekwahluleleni o ku yalezelelo wena.

7 Njalo umhlangano wabantu u ya ku ku zungeza; ngenxa yawo ma u buyele pezulu wena.

8 uJehova u ya kwahlula abantu; ngahlule, Jehova, ngokokulunga kwami, na ngobuqoto obu kimina.

9 Ma ka pele ukonakalisa kwababi; kanti ma u qinise olungileyo: ngokuba wena u linga izinhliziyoz nezinsu, Tixo olungileyo.

10 Isihlangu sami si kuTixo, o sindisa abalungileyo enhliziyweni.

11 uTixo u ya m ahlula olungileyo; futi uTixo u tukutelela omubi imihlayonke.

12 Uma e nga penduki, wo lola inke-mba yake; u gobisile umcebityelo wake, u wu bhakisile.

13 U zilungisele nezikali zokufa; u yenzile imisebe yake ya tyisa kubalandeli.

14 Bheka u ya katazeka ngokubi, u kulelwe umunyu, u zele amanga.

15 U wu mbile umgodi, u wu pandile, kepa u ya wela egebeni a lenzayo.

16 Umunyu wake wo buyela ekanda kuye, nokonakalisa kwake ku ya kwehlelele inhloko yake.

17 Ngo m vumela uJehova njengokulunga kwake; ngi hlabelele igama lika Jehova o pezu konke.

### IZIHLABELELO 8.

Kumbholi wokuhlabelela ngogubu. Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, Nkosi yetu, igama lako li ya babazeka kangaka emhlabeni wonke! o beke ukukazimula kwako pezu kwezulu.

2 Emlonyeni wezingane nowabance-layo u zimisele udumiso ngazo izita zako, ukuze u tulise ozondayo nopindisayo.

3 Lapo ngi bona izulu lako, umsebenzi weminwe yako, inyanga neziukanyezi o z'enzileyo.

4 Umuntu u ini ukuba u m kumbule? nendodana yomuntu ukuba u yi nake na?

5 U m enze a silale kancane ku no-Tixo, u m hlobisile ngokukazimula na ngobukosi.

6 U m busisile pezu kwemisebenzi yezandhla zako; u beke konke pansi kwezinyawo zake.

7 Izimvu, nezinkomo zonke, nezilwane zomhlabati;

8 Nezinyoni zezulu, neziuhlansi zolwandhle, nokudhlula ezindhleleni zolwandhle.

9 Jehova Nkosi yetu, igama lako li ya babazeka kangaka emhlabeni wonke!

### IZIHLABELELO 9.

Kumbholi wokuhlabelela pezu kweMuth-labben; Isihlabelelo sika Davida.

**N**GO ku bonga, Jehova, ngenhliziyonyonke yami; ngi shumayele imimalisalo yake yonke.

2 Ngo jabula ng'etabe kuwe; ngo hlabelela igama lako wena O pezu konke.

3 Ekubuyeleni emuva kwezita zami, zi yaku wa zi bube ebusweni bako.

4 Ngokuba u ng'enzele ukulunga noku ngi faneleyo; u hlezi esihlalweni sobukosi umahluli olungileyo.

5 U zi kuza izizwe, wa bubisa ababi, wa hlangu igama labo ku ze ku be pakade napakade.

6 Sita! ku pelile njalo ukueita; wa eita imizi, ukukunjulwa kwayo kwa bubu nayo.

7 Kanti uJehova u hlezi pakade, u li misele ukwahlula isihlalo sake sobukosi.

8 U ya lahlula izwe ngokulunga, wahlulela abantu ngokufaneleyo.

9 Ko ti uJehova a be isipepelo sohlupékayo, isipepelo ngezikati zokuhlupéka.

10 Ku ya kuti ba tembe kuwe bona a ba l'aziyo igama lako; ngokuba a u ba shiyanga a ba ku funayo, Jehova.

11 Hlabelelani kuJehova o hlezi eZioni; ni shumayele ebantwini izenzo zake.

12 Nxa e funa igazi u ya li kumbula; a ka kohlwa ukukala kwabahlupékayo.

13 Ngi haukele, Jehova, u bone inhlupeko yami, e vele eziteni zami, wena o ngi pakamisa emasangweni okufa.

14 Ukuze ngi shumayele, ukubongwa kwako konke emasangweni endodakazi yeZioni; ngi ya kwetaba ngokusindisa kwako.

15 Izizwe zi tyonile emgodini e zi wenzileyo; esibibeni sona e zi si fihlileyo unyawo lwazo lu badjiwe.

16 uJehova u y'aziwa ngokwahlula a kwenzayo; omubi u ya eutywa ngomsebenzi wezandhla zake. Higayoni. Sela.

17 Ababi ba ya kubuyela eSheoli, nazo zonke izizwe e zi kohlwa uTixo.

18 Ngokuba oswelayo a ka yi ku kohla njalo: itemba labampofu a li yi ku bubu ku ze ku be pakade.

19 Vuka, Jehova; ma ku nga'hluli umuntu: ma z'ahlulwe izizwe emehlweni ako.

20 Jehova, faka ivuso kuzo; izizwe z'azi ukuba zi ngabantu. Sela.

### IZIHLABELELO 10.

**J**EHOVA, u meleni katyana na? u zifihla ngezikati zokuhlupéka na?

2 Ngokuzidhla komubi ompofu u ya tya; ma ba banjwe ngamacebo aba wa cebileyo.

3 Ngokuba omubi u ya gabisa ngokukanuka kompefumlo wake, a bongwe opa-ngayo a delwa uJehova.

4 Omubi ngokupakama kwempumlo wake, u ti, A ka bizi uTixo; akako uTixo ezinkumbulweni zonke zake.

5 Izindhlela zake zi qinile ngezikati zonke; izahlulo zake zi pakeme pambi kwake; zonke izita zake u ya zi futa.

6 U tyo enhliziyweni yake ukuti, A ngi yi ku zanyazanyiswa ngezizukulwane, ngezizukulwane, ngokuba a ngi ko engozini.

7 Umlomo wake u gewele ukufunga, nenkohliso, nokwamuka; pansi kolimi lwake ku kona inkatazo, nobubi.

8 U hlezi ezindaweni zokuqamela zemizi; ezindaweni ezisitekileyo u ya m bulala ongenacala; amehlo ake a zisitile kotambileyo.

9 U qapile endaweni esitekileyo ngenengonyama empandwini wayo; u qapele ukubamba otambileyo; u ya m bamba otambileyo ngoku m hola ngeneta lake.

10 U qobekile, u koteme, ukuze abatambileyo ba we ngamaudhla ake.

11 U ya tyo enhliziyweni yake, u ti, uTixo u kohliwe; u ya sibekela ubuso bake; a ka boni napakade.

12 Vuka, Jehova, u pakamise isandhla sako Tixo; u nga kohlwa abetabileyo.

13 Yini ukuba omubi a m delela uTixo? u ya tyo enhliziyweni yake, u ti, A u yi ku biza wena.

14 U bonile wena; ngokuba wena u ya bheka inkatazo nenhlupeko uku yi beka esandhleni sako; otambileyo wo zinikezela kuwe; wena u ngokusiza kwezintandane.

15 Yapula ingalo yomubi, noshingayo; u hlole ububi bake, u ze u nga bi u sa bu fumana.

16 uJehova u yiNkosi ku ze ku be pakade na ngezikati zonke; izizwe zi bubile emhlabeni wake.

17 Jehova, wena u zwile ukufisa kwabatobileyo; u ya kumisa inhliziyi yabo, wenze indhlebe yako i zwe.

18 Ukwahlula izintandane nabahlutyiweyo, ukuba umuntu a nga be e sa pinda ukub'etusa ba dede ezweni.

### ISIHLABELELO 11.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davia.

**N**GI yetemba kuJehova; ni tyo ngani kumpemulo wami, ukuti, Balekela entabeni yako nyoni.

2 Ngokuba bheka ababi ba gobisile umcibityelo, ba qondisile umsebe wabo entanjeni uku ba cibityela, ba sebumnyameni abaqoto ngenhliziyi.

3 Loku izinsika se zi wisiwe, olungileyo a ngenzani na?

4 uJehova u setempeleni lake eli ingewele, uJehova isihlalo sake sobukosi si sezulwini; amehlo ake a ya bheka, izinkope zake zi ya linga abantwana babantu.

5 uJehova u ya linga olungileyo; kanti omubi notanda ukuhlupa umpemulo wake u ya m zonda.

6 Wo nisa pezu kwababi amalahle nomlilo nesolufa nomoya otyisayo, ku be isabelo emkelweni wabo.

7 Ngokuba uJehova olungileyo u ya tanda izilungiso; ubuso bake bu ya m bheka oqoto.

### ISIHLABELELO 12.

Kumholi wokuhlabelela pezu kweShiminite. Isihlabelelo sika Davida.

**S**IZA, Jehova, ngokuba olungileyo u ya pela; nangokuba abaqinisileyo ba ya puta ebantwaneni babantu.

2 Ba ya kuluma amanga umuntu kanye nomgane wake; ba ya kuluma ngezindebe ezi butelezi, na ngezinhliziyi ezimbili.

3 uJehova wo nquma izindebe ezi butelezi, nolimi o lu kuluma ukuganga.

4 A ba tyo, ukuti, Si ya kwahlula ngolimi lwetu; izindebe zetu zi ezetu; ubani o yinkosi pezu kwetu na?

5 Ngokuhlutywa kwezimpofana, na ngokukala kwabasweleyo, kaloku ngo vuka, u tyo uJehova; ngo m beka ekusindeni kuye o m futayo.

6 Amazwi ka Jehova a ngamazwi a cwengikileyo, a isiliva elihlanjululwa esityeni sebumba, li cwengisiwe kakhombisa.

7 Wena Jehova, wo ba gcina, u ba vikele ku suke ku lesisizukulwane ku ze ku be pakade.

8 Ababi ba ya kuzihambela inxa zonke, njengokuvuka kwesipepo ebantwaneni babantu.

### ISIHLABELELO 13.

Kumholi wokuhlabelela Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, wo ngi kohlwa impela ku ze ku be nini na? wo siteza ubuso bako kimi ku ze ku be nini na?

2 Ngo zindhla empemulweni wami, ngi nokuhlupeka enhliziyweni yami imihla yonke ku ze ku be nini na? isita sami si ya ku zipkamisa pezu kwami ku ze ku be nini na?

3 Bona, u lalele kimi, Jehova Tixo wami; u kanyise amehlo ami, funa ngi lale ukufa.

4 Funa isita sami si tyo, uku ti, Se ngi mahlulile; naba ngi cindezelayo ba jabule uma ngi zanyazanyiswa.

5 Kepa ngi tembile emuseni wako, inhliziyoyi yami yo jabula ekusindisweni kwako.

6 Ngo hlabelela kuJehova, ngokuba u ngenzele okuhle.

ISIHLABELELO 14.

Kumholi wokuhlabelela, Isihlabelelo sika Davida.

**I**SIULA si tyilo enhliziyweni yaso, uku ti, Amuko uTixo, bonakele, benze okunengekayo, amuko o kwenza okulungileyo.

2 uJehova wa bheka e sezulwini pezu kwabantwana babantu, ukubona uma ku kona ohlakanipileyo, o funa uTixo.

3 Ba pambukile bonke, ba neolile kanye; akuko o wenza okulungileyo, amuko noyedwa.

4 A bazi ini bonke abasebenzi bokubi, a ba dlha abantu bami njenga loku be dlha isinkwa na? a ba kuleki kuTixo.

5 Lapo ba yesaba ngokwesaba; ngokuba uTixo u sesizukulwaneni sabalungileyo.

6 Ukuceba kotobekileyo ni ya kujabisa, ngokuba uJehova u yisipepelo sake.

7 Ubani u ya kunika ukusindiswa ku-Israeli ku vele eZioni na? Ekubuyiseni kuka Jehova ukutunjwa kwabantu bake, u ya kwetaba uJakobe, uIsraeli a jabule.

ISIHLABELELO 15.

Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, ubani o ya ku hlala etenteni lako na? ubani o ya kwaka entabeni yako e ingewele na?

2 Yena o hamba ngokuqina, enze ukulunga, e kuluma iqiniso enhliziyweni yake.

3 A ka hlebi ngolimi, a koni umgane wake, a ka pakamisi ihlazo pezu kwesihlobo sake.

4 U delekile emehlweni ake onengekayo; kanti u ya ba dumisa aba m esabayo uJehova. Nxa e fungile ngoku za ku limaza, a ka ku penduli noko.

5 A ka niki imali yake ngenzuzo, a kamukeli isipo ngaye onge nacala. Yena o kwenza loku a so ze a zanyazanyiswa napakade.

ISIHLABELELO 16.

Igama lika Davida.

**N**GI londolozé Tixo ngokuba ngi yeteniba kuwe.

2 Mpefumlo wami, wena u tyilo kuJehova, uku ti, U yiNkosi yami; ukotozoza kwami akuko ngapandhle kwako.

3 Kubo abangewele a ba semhlabeni, nabaqoto, ukutanda kwami konke ku kubona.

4 Ziningi izinkatazo zabo aba tyetyela omunye utixo; a ngi yi ku tulula iminikelo yabo yegazi; a ngi yi ku pata amabizo abo ngezindebe zami.

5 Jehova, wena u inxenye yesahlulelo sami ne yomkele wami; u qinisa ifa lami.

6 Izabelo zami zi ngehlela ezindaweni ezinhle, yebo ngi nalo ifa elitandekayo.

7 Ngo bongama uJehova o ngi qondisayo, na sebusuku izinsoko zami zi ya ngi yala.

8 Ngi beke uJehova ngapambi kwami njalo, ngokuba u sesandhlani sami sokunene a ngi yi ku zanyazanyiswa.

9 Ngako inhliziyoyi yami i ya jabula, i yetaba nenkazimulo yami; nenyama yami yo pumula ngokwetemba.

10 Ngokuba a u yi ku shiya umpefumlo wami eSheoli; u nga nikeli o ingewele wako a bone ukubola.

11 Wo ngi bonisa indhlela yobomi; ubuningi benjabulo bu sebusweni bako; izintokoziso zi sesandhlani sokunene sako ku be ngunapakade.

ISIHLABELELO 17.

Umtandazo ka Davida.

**Y**IZWA ukulunga, Jehova, u lalele kuko ukukala kwami, u beke indhlebe emtandazweni wami, u nga pumi ezindabeni ezikohlisayo,

2 Ma ku pume ebusweni bako ukwahlulwa kwami; amehlo ako ma ka bone okulungileyo.

3 U lingile inhliziyoyi yami; u hlolele ebusuku; u ngi ewengisile, a wa fuma na cala; ngi cebile ukuba umlomo wami a u yi kweqisa.

4 Emisebenzini yabantu, mina ngezwi lezindebe zako, ngi qapele izindhlela zohlupayo.

5 Pasa ukuhamba kwami ezindhleleni zako, ukuze izinyatelo zami zi nga nyakaziseki.

6 Ngi ku bizile, ngokuba u ya ku ngi zwa, Tixo; beka indhlebe yako kimi, u lalele amazwi ami.

7 Yenza lu be lukulu utando lwako, wena Mukululi waba ku tembayo aba vukayo ngesandhla sako sokunene.

8 Ngi geine njengenhlanvu yeso, u ngi site etunzini lamapiko ako.

9 Kubo ubuso bababi a ba ngi citayo, kubo abazondi bami aba ngi haqayo be tiyana nonpefumlo wami.

10 Ba zivimbele ngamafuta abo; ba kuluma ngokuzidhla ngomlomo wabo.

11 Ba ya si haqa kaloku ekulambeni kwetu; ba bheka amehlo abo ukutobela emhlabeni.

12 Umfanekiso wake u njengengonyama i hahela ukudweba, njengengonyama entya i hlezi ekusitekeni.

13 Vuka, Jehova, u m vimbele, u m wise pansi; sindisa umpefumlo wami kubo ababi ngenkamba yako.

14 Kubantu ngesandhla sako, Jehova, kubantu ba lelizwe, a ba nxenye yabo i ku lokukupila aba sisu sabo u si gewalisa ngengebo yako; ba gewele abantwana, ba shiyela abantwana babo okuseleyo kwabo.

15 Kepa mina ngi ya kubona ubuso bako ngokulunga; ngi kolwe lapo ngi vuka ngesimo sako.

#### IZIHLABELELO 18.

Kumholi wokuhlabelela, Isihlabelelo sika Davida ineku ka Jehova, o wa kuluma kuJehova amawzi esihlabelelo lesi, ngosuku uJehova a m sindisa ngalo esandhleni sezita zonke zake, nasesandhleni sika Sauli.

**Y**ENA wa ti, Ngo ku tanda, Jehova, i mandhla ami.

2 Jehova uidwala lami, inqaba yami, umkululi wami; Tixo wami, uitye lami e ngi ya ku temba kulo; u yisihlangu sami, upondo lokusindiswa kwami, inqaba yami epakamileyo.

3 Ngo biza uJehova o fanelo ukudutyiswa, njalo ngo sindiswa eziteni zami.

4 Izintambo zokufa za ngi zungeza, nezikukula zokonakalisa za ngetusa.

5 Izintambo zeSheoli za ngi haqa, nezihlaba zokufa za ngi tiya.

6 Encingweni yami uga m biza uJehova, nga kala kuTixo wami; yena wezwa izwi lami e setempeleni lake, ukukala kwami kw'enza pambi kwake ezindhlebeni zake.

7 Kwa ti umhlaba wa zamazama wa tutumela izisekelo zezintaba za shukumyiswa, za zamazama, ngokuba wa e tukutele.

8 Umusi wa kupuka empumulweni yake, wa ti umlilo o wa puma emlonyeni wake wa dhla; amalahlle a vuta pambi kwake.

9 Yena wa tobisa izulu wehla; ba ti ubumnyama ba ba pansu kwezinyawo zake.

10 Wa kwela pezu kweKerubi, wa ndiza; wa qubeka pezu kwamapiko omoya.

11 Wa beka ubumnyama bu be isisibekelo sake, bu m haqa etenteni lake, ubumnyama bamanzi, nobuzima bamafu.

12 Ekukazimuleni oku pambi kwake amafu ake anzima a pumelela, a nesicoto namalahle omlilo.

13 Futi uJehova wa duma ezulwini, yena O pezu konke wa pimisa izwi lake; isicoto namalahle omlilo.

14 Wa ponsa imisebe yake wa ba hlakaza; ngezinyazi eziningi wa ba sabalalisa.

15 Lapo imisele yamanzi ya bonakala, nezisekelo zezwe za zibukulwa ngokutekwa kwako, Jehova; na ngokufuta komoya wamakala ako.

16 Wa tuma e pezulu, wa ngi tata, wa ngi kipa emanzini amaningi.

17 Wa ngi sindisa esiteni sami esi namandhla; na kubo aba ngi zodayo, ngokuba ba be ngahlula.

18 Ba ngi kandanisela ngosuku lwenkatazo yami; kepa uJehova wa be e umpasi wami.

19 Wa ngi pumisela endaweni ebanzi; wa ngi kulula, ngokuba wa e ngi tanda.

20 uJehova wa ngi vuza njengokulung kwami; wa buyisela kimi njengokuhlazeka kwezandhla zami.

21 Ngokuba ngi gcinile izindhlela zika Jehova, ngi nga muki kabi kuTixo.

22 Ngokuba izahlulo zonke zake be zi pambi kwami, a ngi lahlanga izimiso zake kimi.

23 Ngi be ngi oqoto kuye, nga ngi zigcina kubo ububi bami.

24 Ngako uJehova u buyisele kimi njengokulunga kwami; na njengokuhlazeka kwezandhla zami pambi kwamehlo ake.

25 Kuye o nomusa wena wo zibonakalisa u nomusa; kumuntu oqoto wo zibonakalisa uqoto.

26 Kuye o hlambululekileyo wo zibonakalisa u hlambululekile; na kuye opambeneyo wo zibonakalisa u pambene.

27 Ngokuba wena wo sindisa abantu abakatazekayo; kanti u ya kutobisa amehlo a zidhlayo.

28 Ngokuba wena u ya kubaneka isibani sami; uJehova uTixo wami wo kanyisa ubumnyama bami.

29 Ngokuba ngawe ngi gijimile empini; na ngoTixo wami ngeqile udonga.

30 uTixo indhlela yake i lungile; amazwi ka Jehova a hlanzisekile; u isihlangu kubo bonke aba temba kuye.

31 Ngokuba ubani o nguTixo ngapandhle kwako Jehova na? futi ubani o idwala uma ku nge siye uTixo wetu na?

32 uTixo o ngambatisa amandhla, o qondisa indhlela yami.

33 O wenza izinyawo zami zi fane nezindhluzelo, o ngi misa ezindaweni zami ezipakamileyo.

34 O fundisa izandhla zami ukulwa, ukuze umeibityelo wetusi wa pulwe izingalo zami.

35 Wena u ngi nikile isihlangu sokukulula kwako; isandhla sako sokunene sa si ngi pasa, ukutobeka kwako kwa ngi kulisa futi.

36 U kulisile ukunyatela kwami pansi kwami, amaqakala ami a ka tyelele.

37 Ngi landele izita zami, nga zi funyanisa; a nga buya ngi nga ka zi qedi.

38 Nga zi pahlaza, zi nga be zi sa vuka; za wa pansi kwezinyawo zami.

39 Ngokuba u ngambatise amandhla okulwa; u ba tobisile pansi kwami a ba ngi vukeleyo.

40 Futi u ngi nike izita zami ngentamo; ngi ze ngi tulise aba ngi zodayo.

41 Ba nxusela ukukululwa kepa a kwa bako umkululi; ba nxusa kuJehova, a ka bezwanga noko.

42 Lapo nga ba gaya njengotuli pambi komoya, nga ba sakaza njengotuli lwezindhlela.

43 U ya kungisindisa ezinkanini zabantu; u ngi beke ngi be ikanda lezizwe; abantu e ngi nga baziyo ba ya kungikonza.

44 Ngokuzwa ngendhlebe ba ya kungilalela; amadodana abafokazi a ya ku ngi wunga.

45 Amadodana abafokazi a ya kubuna, a tutumele ezinqabeni zabo.

46 U hlezi uJehova, ma li duniyiswe idwala lami; ma ka pakanyiswe uTixo wokusindiswa kwami.

47 uTixo o ngi nika impindiselo, o tobizela abantu pansi kwami.

48 O ngi kulula ezitini zami, futi u ya ngi pakamisa pezu kwa ba ngi vukeleyo; u ngi sindisile kumuntu ohlupayo.

49 Ngako ngo ku bonga, Jehova, ezizweni; ngi hlabelele kulo igama lako.

50 O yenza i be nkulu inkululo kuyo inkosi yake; o wenza umusa kuye ogeotyweyo wake, kuDavida, na kuyo inzalo yake ku ze ku be pakade.

### IZIHLABELELO 19.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davida.

**I**ZULU li ya shumayela ubukosi buka Jehova; nomkati u ya bonisa ukwenza kwezandhla zake.

2 Usuku lu ya pimisela kulo usuku ukukuluma, nobusuku bu ya shumayela kubo ubusuku ukwazi.

3 Akuko ukukuluma, a wako namazwi, lapo izwi lalo li ngezwakali kona.

4 Inhlokomo yalo i pumile emhlabeni wonke, namazwi alo emkaulweni womhlaba; u bekele ilanga itente pakati kwalo.

5 Lona li njengomyeni o puma ekamehlweni lake, e jabule njengesiqwaga ukugijima endhleleni.

6 Ukupuma kwalo ku semkaulweni kazulu, nokuzengeza kwalo ku semkaulweni yalo; futi akuko oku fihlelwe ukufudumala kwalo.

7 Umfeto ka Jehova u pelele, u buyisa umpefumlo; izimemezelo zika Jehova zi qinisile, zi hlakanipisa ongenakwazi.

8 Imiyalo ka Jehova i lungile, i jabulisa inhliziyi; iziyalezelo zika Jehova zi hlanzisekile, zi kanyisa amehlo.

9 Ukumesaba uJehova ku ewebile, ku hlala ku ze ku be pakade; izahlulo zika Jehova zi yiqiniso, zi lungile impela.

10 Zi nxanelekile ku negolide, ku negolide eli ewengekileyo eliningi; zimnandi ku nezinyosi, nokuconsa kwamakekeba.

11 Ku ti inceku yako i yaliwe ngazo; ekugeineni kwazo ku kona umvuzo omkulu.

12 Ubani o qonda izipambeko zake zokungazi na? ngi yekele kwezisitekileyo.

13 Na kuzo zokuzidhla, geina inceku yako; ma zi nga busi pezu kwami; lapo ngo ba ngi pelele, ngi hlanzekile futi ngokona okukulu.

14 Amazwi onlomo wami, nezinzindhlo zenhliziyi yami, ma kwamkeleke ebusweni bako, Jehova, dwala lami, nomkululi wami.

### IZIHLABELELO 20.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davida.

**U**JEHOVA ma ka ku lalele ngosuku lwenhlupeko; igama lika Tixo ka Jakobe ma li ku pakamise;



2 Ma ka tume kuwe ukusiza ku vele endaweni e ingewele, a ku pase eZioni;

3 A kumbule iminikelo yako yokudhla yonke, a ti i nonile iminikelo yako yokutyiswa; Sela.

4 Ma ka ku nike njengenhliziyi yako; a pelalise amacebo ako onke.

5 Si ya kwetaba ekusindiseni kwako, si pakamise izibonakaliso egameni lika Tixo wetu; uJehova ma ka gwalise izicelelo zako zonke.

6 Kaloku ngi yazi ukuba uJehova u ya sindisa ogcotyiweyo wake; u ya ku m lalela e sezulwini lake eli yingewele, ugezenzo ezinamandhla zokululo lwesandhla sake sokunene.

7 Abanye, izinwele, nabanye aniahasi; kodwa tina so bonga igama lika Jehova uTixo wetu.

8 Bona ba ya toba ba we pansi; kepa tina si vukile si mi kahle.

9 Jehova, siza, iNkosi ma i lalele ngosuku lokubiza kwetu.

ISIHLABELELO 21.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, inkosi i ya kujabula emandhleni ako; na ngokusindisa kwako yetabe kangananana!

2 Wena u yi nikile ukufisa kwenhliziyi yayo, nako ukuuxanela kwezindebe zayo a u ku gohlanga. Sela.

3 Ngokuba u ya yi hlangabeza ngezibusiso zokulungileyo; u fakile umcele wegolide elihle ekanda layo.

4 Ya cela kuwe ukupila, wa yi nika kona; ukuti, ubude bezinsuku ku ze ku be pakade napakade.

5 Udumo lwayo lukulu ngenxa yokusindisa kwako; ubuhle nobukosi u bu fakile pezu kwayo.

6 Ngokuba u yi bekile ezibusisweni ku ze ku be pakade; u yi jabulisile ngenkoko ngobuso bako.

7 Ngokuba inkosi i yetemba kuJehova; ko ti ngomusa wOpezu konke a i yi ku zanyazanyiswa.

8 Isandhla sako si ya kufumana izita zako zonke; isandhla sako sokunene so fumana abazondi bako.

9 Wo b'enza njengesitando somlilo ngesikati sobuso bako; uJehova wo ba gwinya ngolaka lwake; umlilo u ya kubadhlala.

10 Wo bubisa isitelo sabo emhlabeni, nenzalo yabo pakati kwabantwana babantu.

11 Ngokuba ba ku misele okubi; ba gamba icebo a ba be nga namandhla uku l'enza.

12 Ngokuba wo ba fulatelisa; wena u ya kuqondisa imisebe ebusweni babo ngemicilo yako yomcibityelo.

13 Ma u pakame, Jehova, emandhleni ako; tina si ya kuhlabelela si bongebuqawe bako.

ISIHLABELELO 22.

Kumholi wokuhlabelela, pezu kwenblangu yokusa. Isihlabelelo sika Davida.

**T**XIXO wami, Tixo wami, u ngi shiyelani na? ini ukuba u be kude nokusindiswa kwami, namazwi okububula kwami na?

2 Tixo wami, ngi ya kala ngemini, kepa a u penduli; na ngobusuku, a ngi nakutula.

3 Kepa wena u yingewele, o hlezi ezibongweni zabaIsraeli.

4 Obaba betu ba be b'etemba kuwe; b'etemba wena, wa ba sindisa.

5 Ba kala kuwe, ba sindiswa; ba temba kuwe belu a ka jabanga.

6 Kepa mina ngi yimpetu, a ngi siye umuntu; ngi ngukujabisa kwabantu, ngi odeliweyo wabantu.

7 Bonke a ba ngi bonayo ba ya ngi hleka; ba ya kamisa izindebe ba nyikinye ikanda.

8 Ba ti, wetemba kuJehova, ma ka m sindise; ma ka m kulule, ngokuba wa e m tanda.

9 Kepa uwena o ngi pumisile esiswini; wa ngetembisa ngi semabeleni aka mame.

10 Nga lahlelwa pezu kwako kwa siswini; u nguTixo wami wena kwa siswini sika mame.

11 U nga bi kude nami; ngokuba inkatazo i seduze; ngokuba amuko osizayo.

12 Izinkunzi eziningi zi ya ngi zungeza; ezi namandhla za seBashani zi ya ngi haqa.

13 Zi ya ngi kamisela unlomo wazo, ibubesi eli dwebayo eli gwavumayo.

14 Ngi teliwe njengamanzi, amatambo ami onke a hlukene; inhliziyi yami i njengesikupa, i nebilikile pakati kwami.

15 Amandhla ami omile njengodegezi; nolimi lwami lu namatele emihlatini yami; wena u ya ngi beka otulini lokufa.

16 Ngokuba izinja zi ya ngi zungeza;

umbonda wababi u ya ngi haqa; nje-  
ngengonyama ezandheleni zami nasezi-  
nyawewi zami.

17 Ngi ya bala onke amatambo ami;  
ba ya buku ba qolozela kimi.

18 Ba hlukanisa izingubo zami pakati  
kwabo; nasezambatweni zami ba ponse-  
la inkato.

19 Kapa wena, Jehova, u nga bi kude;  
Mandhla ami tyetya uku ngi siza.

20 Sindisa umpfumlo wami enkembe-  
ni; ukupila kwami oku kodwa esa-  
ndheleni senja.

21 Ngi sindise emlonyeni wengonya-  
ma; u ngi zwile wena ezimpondweni  
zeziyati.

22 Ngo shumayela igama lako kubafo  
wetu; ngi bonge wena pakati kweba-  
ndhla.

23 Nina e nesaba uJehova, mu bonge-  
ni; nina nonke nzalo ka Jakobe mu du-  
miseni; nesabe pambi kwake nonke  
nina nzalo ka Israeli.

24 Ngokuba wa e nga deli, wa e nga  
nengwa inhlupeko yohlupékayo; a ka  
sibekelanga ubuso bake kuye; naseku-  
ncengeni kwake kuye, wezwa.

25 Ukubonga kwami ko ba ngawe  
emhlanganweni omkulu; izifungo zami  
ngo zi koka pambi kwa ba m esabayo.

26 Abatambileyo ba ya kudhla, besute;  
ba ya kumbonga uJehova bona aba m  
funayo; izinhliziyu zenu nina zi pile ku  
ze ku be pakade.

27 Imikaulo yonke yomhlaba yo ku-  
mbula i buyele kuJehova imindeni yo-  
nke yezizwe yo kotama pambi kwako.

28 Ngokuba umbuso u ngowake uJeho-  
va; yena u ya busa ezizweni.

29 Ba ya kudhla ba kotame bonke  
abanotileyo bezwe: bonke a b'eukela  
otulini ba ya kuguqa pambi kwako; a  
kako o nga pilisa umpfumlo wake.

30 Inzalo i ya kumikonza, ku ya ku-  
shunyayelwa ngayo iNkosi kuzo izizu-  
kulwane.

31 Ba ya kuza ba tyele ukulunga kwa-  
yo kubantu, a ba za ku zalwa, ukuba  
y'enza loku.

IZIHLABELELO 23.

Isihlabelelo sika Davida.

**U**JEHOVA u ngumalusi wami, a ngi  
yi ku swela.

2 U ya ngi lalisa emahlelweni aluhla-  
za; a ngi holele ngasemanzini okupu-  
mula.

3 U buyisa umpfumlo wami; a ngi

holele ezindhleleni zokulunga ngenxa  
yegama lake.

4 Noma ngi hamba esigodini setunzi  
lokufa, a ngi yi kwesaba okubi; ngoku-  
ba wena u kimi; intonga yako, nodon-  
dolo lwako zi ya ngi tokozisa.

5 Wena u yendhlala itebula lami ebu-  
sweni bami ngapambi kwezita zami; u  
gcobile ikanda lami ngamafuta; indebe  
yami i ya cicima.

6 Impela okuhle nomusa ku ya ku  
ngi landela imihla yonke yokupila kwa-  
mi; ngi ya kuhlala endhlini ka Jehova  
ku ze ku be sekupeleni kwezinsuku.

IZIHLABELELO 24.

Isihlabelelo sika Davida.

**U**MHLABA u ngo ka Jehova, noku-  
gcwala kwawo, izwe nabo aba hlezi  
kulo.

2 Ngokuba yena wa wu sekela pezu  
kwezilwandhle, wa wu misa pezu kwe-  
misinga.

3 Ubani o ya ku kupukela entabeni ka  
Jehova na? ubani o ya ku hlala enda-  
weni yake e yingewele na?

4 Yena o nezandhla ezimhlope, ne-  
nhliziyu e hlanzisekileyo; o nga paka-  
miseli umpfumlo wake amaanga; o nga  
fungi ngenkohliso.

5 U ya kwankela ubusiso kuJehova,  
nokulunga kuTixo wokusindisa kwake.

6 Yilesi isizukulwane e si m funayo,  
bona a ba singa ubuso bako Tixo ka Ja-  
kobe. Sela.

7 Masango, pakamisani izihloko zenu;  
nani minyango ya pakade pakamani;  
ukuba iNkosi yokukazimula i ngene.

8 I ngubani na leNkosi yokukazimu-  
la? uJehova o namandhla o yiqawe,  
uJehova o yiqawe lokulwa.

9 Masango, pakamisani izihloko zenu;  
nani minyango ya pakade zipakamiseni;  
ukuba iNkosi yokukazimula i ngene.

10 I ngubani na leNkosi yokukazimu-  
la? uJehova wamabandhla, uye iNkosi  
yokukazimula. Sela.

IZIHLABELELO 25.

Ngo Davida.

**K**U wena, Jehova, ngi ya pakamisa  
umpfumlo wami.

2 Tixo wami ngi yetemba kuwe; ma  
ngi nga jabi; izita zami ma zi ngetabi  
ngami.

3 Yebo bonke a ba beka kuwe ma ba  
nga jabi; ma ba jabe boua a ba pambeka  
ngeze.

4 Ngazise izindhlela zako, Jehova, u ngi fundise izinyatelo zako.

5 Ngi hambise eqinisweni lako, u ngi fundise; ngokuba wena u nguTixo wokusindiswa kwami; ngi ya bheka wena imihla yonke.

6 Kumbula umhau wako, Jehova, nomusa wako; ngokuba wona wa bu kona napakade.

7 Ma u nga kumbuli izono zobutya bami, nezipambeko zami; njengomusa wako ngi kumbule wena, ngenxa yokulungiswa kwako, Jehova.

8 U lungile uqoto uJehova; ngako wo fundisa izoni indhlela.

9 U ya hambisa abatobekileyo ngokwahlula; a fundise abatobekileyo indhlela yake.

10 Izinyatelo zonke zika Jehova zi ngumusa neqiniso kubo aba gcina uvumelwano lwake nezininiso zake.

11 Ngenxa yegama lako, Jehova, yekela ukonakala kwami; ngokuba ku kulu.

12 Umupi lomuntu o m esabayo uJehova; wo m bouisa indhlela a yi ketayo.

13 Umpefumlo wako wo hlala ngokuhle; i ti inzalo yake i zuze izwe.

14 Inhlanguano ka Jehova i kubo a ba m esabayo; novumelwano lwake u lwazisa lona.

15 Amehlo ami a kuye uJehova njalo; ngokuba yena wo pumisa izinyawo zami esihibeni.

16 Pendukela kimi, u be nomusa kimi; ngokuba ngi nesizungu, ngi katazekile.

17 Izinkatazo zenhliziyi yami zi kulile; ngi pumise ezinhluphekweni zami.

18 Bheka ukukatazeka kwami, nomunyu wami; u yekele zonke izono zami.

19 Bona izita zami; ngokuba ziningi; zi ya ngi zonda ngenzondo yonya.

20 Londolozwa umpefumlo wami, u ngi kulule; ma ngi nga jabi ngokuba ngi yetemba kuwe.

21 Ubumhlope nokulunga ma ku ngi gcine; ngokuba ngi bheka wena.

22 Tixo, hlenga uIsraeli kuzo zonke izinkatazo zake.

IZIHLABELELO 26.

NgoDavida.

**N**GAHLULE, Jehova, ngokuba ngi hambe ngobuqoto bami; ngi be ngi temba kuJehova, ma ngi nga tyeleli.

2 Ngi hlole, Jehova, u ngi linge; ma

zi hlanziseke izinso zami nenhliziyi yami.

3 Ngokuba umusa wako u bu pambi kwamehlo ami; ngi zihambe eqinisweni lako futi.

4 A ngi hlalanga namadoda amanga; a ngi yi kungena nabo abazenzisi.

5 Be ngi zonda umhlangano wabenza okubi; a ngi yi kuhlala nababi.

6 Ngi ya kuhlansa izandhla zami ngokungecala; ngi zungeze ilati lako, Jehova;

7 Ngi zwakalise ngezwi lokubonga, ngi shumayele imimangaliso yonke yako.

8 Jehova, ngi be ngi tanda inhlalo yendhlu yako, nendawo lapa ku hlezi kona ukukazimula kwako.

9 U nga buti umpefumlo wami kanye nezoni; nobomi bami kanye nabantu begazi.

10 Aba zandhla zabo zi nokonakalisa; esobunene sabo si gewele izipo.

11 Kepa mina ngi ya kuhamba ngobuqoto bami; ngi hlaulele, u be nomusa kimi.

12 Unyawo lwami lu yema endaweni enhle; ngo bonga uJehova emihlanganweni.

IZIHLABELELO 27.

NgoDavida.

**U**JEHOVA u ngukukanya kwami, nokusindiswa kwami; ngi ya kwesaba ubani na? uJehova u ngamandhla okupila kwami ngi ya kwetuka ngobani na?

2 Ekusondeleni kwababi ngapezu kwami ukudhla inyama yami, ba ti abahluphi bami nezita zami, ba qubeka, ba wa pansi.

3 Uma impi i zimisela mina, inhliziyi yami a i yi kwesaba; uma ukulwa ku vuka pezu kwami, ngi ya temba ku loku.

4 Ngi celele kunye kuJehova, ngo funa loku; ukuti, ukuhlala kwami endhlini ka Jehova imihla yonke yokupila kwami, ngi bone ubuhle buka Jehova, ngi buke etempeleni lake.

5 Ngokuba wo ngi filhla esigolhweni sake ngomhla wokuhlupeka; a ngi site ekusitini kwetente lake; a ngi pakamise edwaleni.

6 Na kaloku ikanda lami li ya kupakama ngapezu kwezita zami ezi ngi zungezayo; ngako ngo nikela etenteni lake iminikelo yokwetaba; ngi ya kuhlabelela, ngi bete ogunjini kuJehova.

7 Yizwa, Jehova, ngezwi lami ngi ya kala; yiba nomusa kimi, u ngi pendule.

8 Ngokutyo kwako ukuti, Funani ubuso bami, inhliziyo yami ya pendula kuwe; Ubuso bako, Jehova, ngo bu funa.

9 U nga siti ubuso bako kimi; u nga nqabeli inceku yako ngolaka; wena u be ongisizayo; u nga ngi kapezi, u nga ngi shiyi, Tixo wokusindiswa kwami.

10 Lapo ubaba nomame be ngi shiyile, na kona lapo uJehova wo ngi pata.

11 Ngi bonise, Jehova indhlela yako; u ngi hole enyatelweni elungileyo ngenxa yezita zami.

12 U nga ngi nikeli kuko ukufisa kwezita zami; ngokuba ofakazi bamanga ba ngi vukele, naba futa isonakalo.

13 Uma ngi nga zanga ngi kolwe ukubona ukulunga kuka Jehova ezweni labapilileyo, nga be ngi lingoza.

14 Temba kuJehova, u be namandhla; yena wo qinisa inhliziyo yako; temba pela kuJehova.

### ISIHLABELELO 28.

NgoDavida.

**N**GI ya kukala kuwe, Jehova, dwala lami; u nga tuli kimi, funa u ti ukutula kimi ngi fane nabo a ba tyona emgodini.

2 Lalala kulo izwi lokunxusa kwami ekuncengeni kwami kuwe, ekupakamiseni kwami izandhla zami endaweni yako e ingewele.

3 U nga ngi holi kanye nababi, kanye nabo a benza okubi, a ba kuluma ukutula nabangane babo, kanti ukonakala ku sezinhliziyweni zabo.

4 Ba nike njengokwenza kwabo, na njengobubi bemisebenzi yabo; ba nike njengokwenza kwezandhla zabo, u buyisele kubo ukwenza kwabo.

5 Ngokuba a ba nakanga ukwenza kuka Jehova, nokusebenza kwezandhla zake, wo ba hlakaza, a nga baki.

6 Ma ka bongwe uJehova, ngokuba u zwile izwi lokuncenga kwami,

7 uJehova u ngamandhla ami, nesihlangu sami; inhliziyo yami i bi temba kuye, futi ngi siziwe; ngako ngi ya kwetaba, ngi m bongwe ekuhlabeleleni kwami.

8 uJehova u ngamandhla ake, yena u yinqaba yokusindiswa kogeotyweyo wake.

9 Sindisa abantu bako, u busise ifa lako; u ba funze, u ba pakamise ku ze ku be pakade.

### ISIHLABELELO 29.

Ishlabelelo sika Davida.

**N**IKANI kuJehova, madodana ka so-mandhla, nikasi kuJehova ukukazimula namandhla.

2 Nikani kuJehova ukukazimula kwegama lake; ni kuleke kuJehova ekwambateni oku ingewele.

3 Izwi lika Jehova li pezu kwamanzi; uTixo wokukazimula u ya duma; uJehova u pezu kwamanzi amaningi.

4 Izwi lika Jehova li namandhla; izwi lika Jehova li nobukosi.

5 Izwi lika Jehova li yapula amasedare, uJehova u yapula amasedare a se-Lebanoni.

6 Yena u ya weqisa njengetole; iLebanoni neSirione njengekonyana yenyati.

7 Izwi lika Jehova li ya nqamula amalangabi omlilo.

8 Izwi lika Jehova li zamazamisa ihlane; uJehova u zamazamisa ihlane la se-Kadeshi.

9 Izwi lika Jehova li ya punzisa amaxalakazi, li hlubule amahlali, ku ti etempeleni lake konke kwalo ku ya shumayela ukukazimula.

10 uJehova u ya hlala pezu komsinga, uJehova wo hlala e iNkosi ku ze ku be pakade.

11 uJehova wo nika amandhla kubantu bake; uJehova wo busisa abantu bake ngokutula.

### ISIHLABELELO 30.

Ishlabelelo, igama lokunikela indhlu ka Davida.

**N**GI ya kukupakamisa, Jehova; ngokuba u ngi kipile, a u jabulisanga izita zami pezu kwami.

2 Jehova, Tixo wami; nga nxusa kuwe, wa ngelapa.

3 Jehova, u kupulile umpefumlo wami kulo iSheoli; u ngi pilisile kubo aba tyona emgodini.

4 Hlabelelani kuJehova nina bangewele bake, ni bongwe ekukunjulweni kobungewele bake.

5 Ngokuba ku kona umzuzwana olakeni lwake; ukupila ku semuseni wake; kusihlwa, ukulila ku nga hlala, kanti ukujabula kusasa.

6 Nga be ngi ti mina ekuhlaleni kahle kwami, A ngi yi ku zamazama ku ze ku be pakade.

7 Jehova, ngomusa wako u misile intaba yami emandhleni; wa sibekela ubuso bako, nga be ngi tutumela.

8 Nga kala kuwe, Jehova, na kuye uJehova be ngi nxusa.

9 Ku yinzuzoni egazini lami ekutyoneni kwami etuneni na? utuli lo ku bongana na? lu ya kutyela iqiniso lako na?

10 Yizwa, Jehova, u be nomusa kimi; Jehova, ma u be ongisizayo.

11 Wena u pendulele ukulila kwami ku be ukusina; u kumulile ingubo yami yokulila, u ngambatisile ngokujubula.

12 Ukuze ukukazimula kwami ku ku dumise, ku nga tuli; Jehova Tixo wami, ngo ku bongana ku ze ku be pakade.

IZIHLABELELO 31.

Kumbholi wokuhlabelela, isihlabelelo sika Davida.

**N**GI yetemba kuwe, Jehova; ma ngi nga jabi ku ze ku be pakade; ngi sindise ekulungeni kwako.

2 Bhekisa indhlebe yako kimi; u ngi sindise masinyane; yi ba kimi idwala eli namandhla, nendhlu e yinqaba yoku ngi siza.

3 Ngokuba wena u yidwala lami, u yinqaba yami; ngako ngenxa yegama lako ma u ngi hole, u ngi kape.

4 Wo ngi pumisa emgibeni a ba ngi fihlele wona; ngokuba wena u ngamandhla ami.

5 Esandhleni sako ngi ya beka umoya wami; u ngi kululile, Jehova Tixo weqiniso.

6 Ngi ya ba zonda bona a ba qapela amazwi amanga, kanti, mina ngi be ngi temba kuJehova.

7 Ngi ya kwetaba ngi jabule emuseni wako, ngokuba u bonile ukhlupeka kwami; wazile umpfumlo wami.

8 Futi a u ngi nikelanga esandhleni sezita zami; u misile izinyawo zami endaweni e banzi.

9 Yiba nomsa kimi, Jehova, ngokuba ngi semcingweni; iso lami li ncipile ngokukatazeka, nompefumlo wami, nesisu sami.

10 Ngokuba ubomi bami bu pelile ngokhlupeka, neminyaka yami ngokububula; amandhla ami a putile ngokona kwami, a zacile namatambo ami.

11 Nga be ngi isijeziso kubo bonke abahluphi bami, kakulu na kubo abakelene nami, ngi ukwesabisa kubo aba ngaziyo; bona a ba ngi bonayo endhleni ba ya ngi balekela.

12 Ngi kohliwe enhliziyweni njengofileyo; ngi njengesitya esifileyo.

13 Ngokuba ngi zwile ukhlehla kwabaningi; ukwesaba ku ya haqa; ekucebenei kwabo ngami ba zindhla ukususa umpfumlo wami.

14 Kepa mina ngi yetemba kuwe, Jehova; ngi tyilo, ukuti, Wena u nguTixo wami.

15 Izikati zami zi sesandhleni sako; ngi kulule esandhleni sezita zami ne sangingizelayo.

16 Ma u kazimulise ubuso bako pezu kwenceku yako; u ngi sindise ngomusa wako.

17 Jehova, ma ngi nga jabiswa, ngokuba ngi ku bizile, ababi ma ba jabiswe, ba tule esheoli.

18 Izindebe zamanga ma zi tuliswe; e zi kuluma ukweyisa gaye olungileyo, ngokuzidhla na ngokudelela.

19 Uyunene bako bu kulu kangaka o bu bekele bona a ba kwesabayo! o benzele bona a ba ku tembayo pambi kwamadoda'abantu.

20 U ya kubafihla ekufihlekeni kobuso bako kuko ukuceba kwabantu; u ya kubasita etenteni kuyo inkani yezilimi.

21 Ma ka bongwe uJehova ngokuba wenzile umusa wake u be omangalisayo kimi emzini o namandhla.

22 Kepa nga tyo mina ekwetukeni kwami, ukuti, se ngi nqunyiwe ngapambi kwamehlako; noko wena wezwa izwi lokuncenga kwami ekunxuseni kwami kuwe.

23 Tandani uJehova nonke nina balungileyo bake; uJehova u ya geina abaqinisileyo, a m vuze kakulu yena o wenza ngokuzidhla.

24 Qinani, ko ti yena a qinise inhliziyoye yenu nina nonke e ni temba kuJehova.

IZIHLABELELO 32:

NgoDavida Igama.

**U**YA busiswa yena okupambeka kwa-ke ku yekelwe, nokona kwake ku sibekelwe.

2 U ya busiswa lomuntu uJehova a nga m balelanga ububi, a yiko nenkohliso emoyeni wake.

3 Lapa nga tula kona, amatambo ami a guga ngokukala kwami imihla yonke.

4 Ngokuba imini nobusuku isandhla sako si be nzima pezu kwami, ubumanzi bami bu guqulwe bu be ukoma kwehlobo. Sela.

5 Ngi ku bonisile ukona kwami, nobubi bami a ngi bu sibekelanga; nga tyo, ukuti, Ngo bika ukupambeka kwa-

mi kuJehova; wa ti, wena wa yekela ububi besono sami. Sela.

6 Ngaloku bonke abalungileyo ba ya kutandaza kuwe ngesikati soku ku funana; ekukukuleni kwamanzi amaninzi, impela a ka yi ku finyelela kuye.

7 Wena u ngukusita kwami, u ya ku ngi londoloza emcingweni; u ngi haqengamahubo okukulwa.

8 Ngo ku fundisa ngi ku bonise indhlela o ya ku hamba ngayo; ngo ku qondisa ngeso lami.

9 Ni nga bi njengehashi nembongolo e nge nakwazi; e nomxibobane netomu, ukuvunulwa kwayo, ukuze i nga sondeli kuwe.

10 Zi ningi izinhlupheko kuye omubi; kanti yena o wetemba kuJehova, umusa u ya kumhaqa.

11 Jabulani kuJehova netabe nina balungileyo, ni memeze ngenjabulo nonke nina baqoto enhliziyweni.

IZIHLABELELO 33.

**T**ABANI nina balungileyo kuJehova; ngokuba ukubonga ku fanelekile kubabaqoto.

2 Bongani uJehova ngogubu; ni vume kuye ngogubu olu nezintambo ezi ishumi.

3 Hlabelelani kuye isihlabelelo esitya, ni hlakanipe ukubeta ngenhlokomo.

4 Ngokuba izwi lika Jehova li lungile; nezenzo zake zonke zi ya koleka.

5 U ya tanda ukulunga nokwahlula; umhlaba u gwele umusa ka Jehova.

6 Ngezwi lika Jehova izulu lenziwa; namabandhla onke alo ngomoya womlomo wake.

7 U ya qongelela amanzi olwandhle a be inqwaba; a beka ubude bezilwandhle emilindini.

8 Umhlaba wonke ma u m esabe uJehova; ma ba m hlonipe bonke a ba hlezi ezweni.

9 Ngokuba wa tyo yena, kwa ba kona; wa yalela, kwema.

10 uJehova u ya cita ukuceba kwezizwe, a putise ukuqamba kwabantu.

11 Icebo lika Jehova li ni ku ze ku be pakade; ukuqamba kwenhliziyoyake, ngesizukulwane nesizukulwane.

12 Si ya busiswa isizwe uTixo waso u nguJehova; nabantu a ba ketileyo ba be ifa lake.

13 uJehova u ya bheka e sezulwini; u ya bona bonke abantwana babantu.

14 E sendaweni yokuhlala kwake u ya

buka pezu kwabo bonke a ba hlezi emhlabeni.

15 U ya zenza izinhliziyo zabo zi fanane; u ya qonda imisebenzi yonke yabo.

16 Ayiko inkosi e sindiswa ngokuvama kwempi; isiqwaga a si sindiswa ngamandhla amakulu.

17 Li ize ihashi ekunqobeni; lona a li yi ku sindisa muntu ngokuvama kwamandhla alo.

18 Bheka iso lika Jehova li pezu kwabo aba m esabayo; kubo a ba temba kuwo umusa wake.

19 Ukusindisa umpefumlo wabo eku-feni; noku ba pilisa endhlaleni.

20 Umpefumlo wetu u ya m bheka uJehova; yena u ngukusiza kwetu nesihlangu setu.

21 Ngoba inhliziyoyetu i ya kujabula ngaye; ngokuba si yetemba egameni lake eli ingewele.

22 Umusa wako, Jehova ma u be pezu kwetu, njengaloku si yetemba kuwe.

IZIHLABELELO 34.

NgoDavida ekuzeziseni kwake pambi kuka Abimeleki, o wa m xotya, wa ze wemuka.

**N**GO m bonga uJehova ngezinkati zonke; ukudunyiswa kwake ko ba njalo emlonjeni wami.

2 Umpefumlo wami wo zincoma ngoJehova; abatobekileyo ma bezwe ba jabule.

3 Kulisani uJehova nami, ma si pakamise igama lake kanye.

4 Nga m funa uJehova, wa ngi zwa, wa ngi kulula kuwo onke amavuso ami.

5 Ba ya bheka kuye ba lulame; a bu yi ku jaba ubuso babo.

6 Low' ohlupekayo wa kala, uJehova wezwa, wa m sindisa kuzo zonke izinhlupheko zake.

7 Ingelosi ka Jehova i hlezi ngokuzungeza ku bona aba m esabayo i ba kulule.

8 Yizwani ni bone ukuba uJehova u lungile; u ya busiswa umuntu o wetemba kuye.

9 Mesabeni uJehova nina bangewele bake; ngokuba akuko ukudinga ku bona aba m esabayo.

10 Izingonyama ezintya zi ya swela, zi lambe; kepa bona a ba m funayo uJehova a ba yi ku dinga uto oluhle nolulodwa.

11 Zanani bantwana, ni lalele kimi; ngo ni fuudisa uku m esaba uJehova.

12 U mupi umuntu o tanda ukupila, o fisa imihla ukuze a bone okulungileyo na?

13 Geina ulimi lwako ebubini, nezindebe zako zi nga kulumi inkohliso.

14 Deda ebubini, wenze okulungileyo; funa ukutula u ku landele.

15 Amehlo ka Jehova a pezu kwabalungileyo, nezindhlebe zake zi kuko ukukala kwabo.

16 Ubuso buka Jehova bu kubo aba sebenza okubi, ukunquma ukukunjulwa kwabo emhlabeni.

17 Abalungileyo ba ya kala, uJehova u yezwa, a ba sindise kuzo zonke izinkatazo zabo.

18 uJehova u seduze nabo abadabukileyo enhliziyweni; a ba sindise bona abatobekileyo emoyeni.

19 Ku ningi okubi kuye olungileyo; kanti uJehova u ya m sindisa kuko konke.

20 U ya geina onke amatambo ake; a lapuki neli lodwa kuwo.

21 Okubi ku ya bubisa omubi; futi bona aba zonda olungileyo ba necala.

22 uJehova u ya kulula umpefumlo wezinceku zake; a ba nacala bonke a ba temba kuye.

### ISIHLABELELO 35.

NgoDavida.

**J**HOVA, ba pikise a ba ngi pikayo; u lwe nabo aba lwa nami.

2 Tabata ihau, nesihlangu, u vuke ngokusiza kwami.

3 Koka umkonto, u vimbele ukutiyana nabo aba ngi zingelayo; Yityo kumpefumlo wami, ukuti, Mina ngi ngukusindiswa kwako.

4 Ma ba jabe ba hlazeke a ba funa umpefumlo wami; ma ba buyiselwe emuva ba be namahloni a ba funa ukoniwa kwami.

5 Ma ba be njengamakoba pambi komoya; ingelosi ka Jehova ma i ba kapeze.

6 Indhlela yabo ma i be mnyama, i be buthelezi; ingelosi ka Jehova ma i ba zingele.

7 Ngokuba ba ngi fihlele umgodi wesityo sabo ngi nge nacala; ba mbele umpefumlo wami ngi nge nacala.

8 Ukubujiswa a nga kwaziyo ma ku m fikele; isityo sake a si fihlileyo ma si m babise; ma ka we kuso ku be ukubujiswa.

9 Kepa umpefumlo wami u ya kwe-

taba kuJehova, u jabule ngokusindisa kwake.

10 Amatambo ami onke a ya kutyo, ukuti, Jehova, ubani o njengawe, o sindisa ohlupekayo kuye o namandhla kunaye; ukuti ohlupekayo, nodingayo kuye o m-amukayo.

11 Ofakazi bamanga ba ya vuka; ba buze kimi e ngi nga kwazityo.

12 Ba ya ngi kokela okubi esikundhleni sokuhle; ukuti ukushiywa kompefumlo wami.

13 Kanti mina ekuguleni kwabo ukwambata kwami kwa ba isaka; nga hlupa umpefumlo wami ngokuzila ukudhla; futi ukutandaza kwami kwa buyela esifubeni sami.

14 Ngibhe ngi hamba njengaloko e be umhlobo, njengaloko e be umzalwane wami; njengolilela unina nga zitobela, ngi olilayo.

15 Kepa ekuweni kwami ba jabula ba hlangana; ba hlangana nga kimi abahlebi ngi nga kwazi; ba dabula be nga yeki:

16 Pakati kwababi abahlekisayo ekudhleni, aba gedhlela mina amazinyo abo.

17 Nkosi, wo buka ku ze ku be nini na? buyisa umpefumlo wami ekuciteni kwabo, o wodwa wami kuzo izingonyama ezintya.

18 Ngo ku dumisa emhlanganweni omkulu, ngi ku babaze pakati kwabantu abaningi.

19 Ma ba nga jabuli pezu kwami abayizita zami ezi namanga; ma ba nga qwebi ngeso aba ngi zonda ngi nge nacala.

20 Ngokuba a ba kulumi ukuhlala kahle; kanti ba ya ceba amazwi enkohliso ngabo aba tulileyo bezwe.

21 Futi ba ya ngi kamisela kakulu unmlomo wabo, ba ti, Aha! Aha! iso letu li ya bona.

22 Jehova, u bonile wena, ma u nga tuli; Nkosi yami ma u nga bi kude nami.

23 Vuka, u vukele ukwahlulwa kwami, Tixo wami, Nkosi yami vukela icala lami.

24 Ngahlule njengokulunga kwako, Jehova, Tixo wami; ma ba nga jabuli pezu kwami.

25 Ma ba nga tyo enhliziyweni yabo, ukuti Aha! ku ngukufisa kwetu; ma ba nga tyo, ukuti, si m gwinyile.

26 Ma ba jabe, ba be namahloni kanye aba jabula ekhlupekeni kwami; ma ba

'mbate amahloni nokuhlazeka aba zikumezayo ngami.

27 Ma betabe ba jabule aba tanda ukulunga kwami; ma ba tyo njalo, ukuti, Ma ka kuliswe uJehova o tanda ukuhlala kahle kwenceku yake.

28 Njalo ulimi lwami lo shumayela ukulunga kwako; nokubongwa kwako imihla yonke.

ISIHLABELELO 36.

Kumholi wokuhlabelela, ngoDavida inceku ka-Jehova.

**I**NSHUMAYELO yokupambeka kuye omubi, i ti pakati kwenzliziyo yami, Akuko ukumesaba uTixo pambi kwamehllo ake.

2 Ngokuba u ya zikhulisa emehlweni ake, a ze a fumane icala lake, li zondeka.

3 Amazwi omlomo wake a ize nenkohliso; u yekile ukuhlakanipa, nokwenzela okulungileyo.

4 U ya cabanga ukonakalisa embedeni wake; u ya zimisa endhleleni e nga lungile; a ka zondi okubi.

5 Jehova, umusa wako u sezulwini; ukukolisa kwako ku semafwini.

6 Ukulunga kwako ku njengezintaba zika Tixo; izahlulo zako zi ngulwandhle olukulu; Jehova, u ya ba loudoloza abantu nezinkomo.

7 Umusa wako Tixo u nentengo engaka! ngako amadodana abantu a ya kwetamba etunzini lamapiko ako.

8 Ba ya kusuta ngokunnaudi kwendhlu yako; wena wo ba puzisa ngomfula wentokozo yako.

9 Ngokuba umtombo wokupila u kuwe; ekukanyeni kwako si ya kutbona ukukanya.

10 Jobelela umusa wako kubo a ba kwaziyo, nokulunga kwako kubo abaqoto enhliziyweni.

11 Unyawo lokuzidhla ma lu nga sondeli kisi isandhla sababi ma si nga ngi xoty.

12 Lapo ba wile kona abasebenzi bokubi; ba wisiwe pansi, a ba yi ku ba namandhla okuvuka.

ISIHLABELELO 37.

NguDavida.

**U**NGA zikatazi ngabo abonakalisayo; u nga bi namona ngabo a beza okubi.

2 Ngokuba ba ya kusikwa masinyane njengotyani, ba bune njengedhlelo eliluhlaza.

3 Temba kuJehova wenza okulungileyo; hlala ezweni, u dhle ukukoleka.

4 Zitokozisa ngaye uJehova, ku ya kuti a ku nike izicelelo zenzliziyo yako.

5 Ginqa indhlela yako pezu kuka Jehova; u m etembe, yena wo kwenza.

6 U ya kuti a veze ukulunga kwako njengokukanya; nokwahlulelwa kwako njengemini.

7 Tula pambi kuka Jehova, u hlalele yena; u nga zikatazi ngaye o cumileyo endhleleni yake, ngaye umuntu o wenza amacebo.

8 Yeka intukutelo u peze ulaka, u nga zikatazi nakanye ngokwenza okubi.

9 Ngokuba abenza okubi ba ya kunqunywa; kepa bona a ba m etemba uJehova ba ya kudhla izwe.

10 Se ku umzuzwana omubi a nga be e sa bako; wena wo hlola indawo yake i nga bi i sa ba ko yona.

11 Kepa abatobekileyo ba ya kudhla izwe, ba zitokozise ngokutula okukulu.

12 Omubi u ya keba ngaye olungileyo, a gedhle amazinyo ake pezu kwake.

13 iNkosi i ya m hleka, ngokuba i ya bona ukuba usuku lwake lu yeza.

14 Ababi ba ya koka inkemba, ba ya gobisa umcibityelo wabo ukuwisa pansi ompofu nodingayo; nokubulala abaqondileyo endhleleni.

15 Inkemba yabo yo ngena enhliziyweni yabo, yo ti yapuke imicibityelo yabo.

16 Okuyincezana kolungileyo kuhle ku ngecebo yababi abaningi.

17 Ngokuba indigalo zababi zi ya kwapulwa; kanti uJehova u ya pasa abalungileyo.

18 uJehova u ya zazi izinsuku zabaqoto; ko ti ifa labo li hlale ku ze ku be pakade.

19 A ba yi ku jaba ngesikati esibi, na ngezinsuku zendhlala bo suta.

20 Ngokuba ababi ba ya kububa, nabazondi baka Jehova bo ba njengobuhle bamadhlelo; ba ya kunyamalala; ba nyamalale njengomusi.

21 Omubi u ya tyeleka e nga buyiseli; kanti olungileyo u ya haukela a pe.

22 Ngokuba ababusisiweyo bake ba ya kuba nezwe; kanti abatukiweyo bake bo nquyywa.

23 Izinyatelo zomuntu olungileyo zi ya qiniswa nguJehova; yena u ya tanda indhlela yake.

24 Uma e wa, a ka yi ku wa pausi



impela; ngokuba uJehova u ya m pasa ngesandhla sake.

25 Nga be ngi mutya, kaloku ngi ndala; kepa a ngi za nga ngi bona olungileyo e shiyiwe, nenzalo yake i panze-fa ukudhla.

26 Imihla yonke u ya haukela a tyeleke; inzalo yake i nokubusiswa.

27 Deda kuko okubi, wenze okulungileyo; u hlale njalo.

28 Ngokuba uJehova u ya tanda ukwahlula, yena a ka shiyi abangeweke bake; ba ya londolozwa njalo; kanti inzalo yababi i ya nqunywa.

29 Abalungileyo ba ya kudhla izwe, ba hlale kulo ku ze ku be pakade.

30 Umlomo wolungileyo u ya kuluma ukuhlakanipa, nolini lwake lu ya shumayela ukwahlula.

31 Umteto ka Tixo wake u senhliziyweni yake; izinyatelo zake a zi yi ku nyakaza.

32 Omubi u ya camela olungileyo, a fune uku m bulala.

33 uJehova a ka yi ku m shiya esandhleni sake, futi a ka yi ku m lahla ekwahlulweni kwake.

34 Temba kuJehova, u londe indhlela yake; yena wo ku pakamisa ukudhla izwe; ekunqunyweni kwababi u ya kubona wena.

35 Ngi bone omubi e umhlupi, wenaba njengomuti wezwe oluhlaza;

36 Wa dhlula noko, bhekake! akako; nga ti nga m funa, kepa wa be e nga sa funyanwa.

37 Qonda o peleleyo, u bone oqoto; ngokuba ukupela kwa lomuntu ku ukutula.

38 Kanti abapambekayo ba ya kubujiswa kanye; ukupela kwababi ku ya nqunywa.

39 Kepa ukusindiswa kwabalungileyo ku vele kuJehova; u yinqaba yabo ngesikati sokuhlupeka.

40 Yena uJehova u ya ba siza a ba kulule; u ya ba kulula kubo ababi, a ba sindise, ngokuba ba yetemba yena.

IZIHLABELELO 38.

Isihlabelelo sika Davida, ukukumbuza.

**J**EHOVA, u nga ngi jezisi ekutukutele-ni kwako; u nga ngi tyayi ngokuvuta kolaka lwako.

2 Ngokuba imisebe yako i ya ngi hlababa, si ngehlele nesandhla sako.

3 Ngokuba akuko ukupila enyameni yami ebusweni bolaka lwako; akuko

nokuhlala kahle ematanjeni ami ebusweni bokona kwami.

4 Ngokuba ububi bami bu ya dhlula pezu kwekanda lami; njengomtwalo onzima bu ya ngi sindezela.

5 Izilonda zami zi ya nuka, zi pumisa ubovu ngenxa yobuula bami.

6 Ngi kotamile, ngi kokoba kakulu; imihla yonke ngi ya hamba ngi odabukileyo.

7 Ngokuba izinkalo zami zi gewele ukutya; akuko ukupila enyameni yami.

8 Se ngi dangele, ngi dabukile kakulu; ngi ya kala ngokububula kwenhliziyoyami.

9 Nkosi ukufisa kwami konke ku pambi kwako; futi ukububula kwami a ku fihlakeli kuwe.

10 Iuhliziyoyami i ya quma, amandhla ami a ngi shiyile; nokukanya kwamehlami a ku seko kimi nako.

11 Aba tandana nami ba yema kude nokutyaywa kwami; nabakelene nami ba yema katyana.

12 Bona aba funa umpefunlo wami ba ya ngi tiya; nabo aba funa ukoniwa kwami ba ya kuluma ukonakalisa, be qambe inkohliso imihla yonke.

13 Kepa mina njengesitulu a ngi zwa; ngi njengesimungulu e si nga kamisi umlomo waso.

14 Njalo ngi njengomuntu ongezwayo, akuko nokupendula emlonyeni wake.

15 Ngokuba ngi yetemba kuwe, Jehova; wena wo pendula, Nkosi yami, Tixo wami.

16 Ngokuba ngi te, funa ba jabule ngami; ekutyeleleni konyawo lwami ba zi kulise pezu kwami.

17 Ngokuba ngi lungele ukulwa, futi umunyu wami u pambi kwami njalo.

18 Ngokuba ngi ya kubika icala lami; ngesabe ngesono sami.

19 Kepa izita zami zi pilile, zi namandhla; ba vamile bona a ba ngi zondayo ngeze.

20 Bona a ba buyisela okubi esikundhleni sokuhle; ba ya tiyana nami, ngokuba ngi landa okulungileyo.

21 U nga ngi shiyi, Jehova; Tixo wami, u nga bi kude nami.

22 Tyetya uku ngi siza, Nkosi yokusindisa kwami.

IZIHLABELELO 39.

Kumholi wokuhlabelela. kuJedutuni. Isihlabelelo sika Davida.

**N**GA tyo ukuti ngo geina izindhlela zami, ngi ngoni ngolimi lwami;

ngi ya kugeina umlomo wami ngesifonyo, lapa omubi e pambi kwami.

2 Nga tula nokutula, nga binda kuko okuhle; wa za wa vuka umunyu wami.

3 Inhliziyo yami ya vuta ngapakati kwami, ekufudumaleni kwami umlilo wa tya; nga shumayela ngolimi lwami.

4 Jehova, ngazise ukupela kwami, nobude bezinsuku zami ukuba bu ini; ma ngazi ukuba ngo gqabuka nini.

5 Bheka u zenzile izinsuku zami zi be nobude besandhla, ukupila kwami ku be njengeze pambi kwako; impela abantu bonke ba ize be se kona. Sela.

6 Bheka umuntu u ya hamba njengesitunzi; nembala ba ya katazeka ngeze; u ya nqwabela imfuyo kepa a kazi ukuba ubani o ya ku yi dhla.

7 Kalokuke, Nkosi, ngi sa bhekeni ma? itemba lami li kuwe.

8 Ngi sindise kuzo zonke izipambeko zami; ma u nga ngi beki ngi be isijabiso sesiula.

9 Nga tula ngi nga kamisi umlomo wami, ngokuba wa kwenza wena.

10 Susa isigalelo sako pezu kwami, ngi ya pela ukutyaya kwesandhla sako.

11 Uma u lungisa umuntu ngokute-tisa ngenxa yobubi, u neibilikisa intokoziso yake njengenundu; impela bonke abantu ba ize nje. Sela.

12 Yizwa umtandazo wami, Jehova, u lalele ukukala kwami; u nga tuli ngezinyembezi zami; ngokuba mina ngi ngumfokazi kuwe, ngi odhlulayo njengobaba bonke.

13 Yeka uku ngi buka, ngename; ngi nga ka muki lapa, ngi nga bi ngi sa ba ko.

IZIHLABELELO 40.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davida.

**N**GA m bheka uJehova ngokubekezelela; yena wa ngi tobela, wezwa ukukala kwami.

2 Wa ngi kupula emgodini ohlokomayo, nasodakeni lobityi, wa misa izinyawo zami edwaleni, wa qinisa izinyatelo zami.

3 Futi u bekile emlonyeni wami igama elitya, li ti isibongo kuTixo wetu; abaningi ba ya kubona, besabe, betembe kuJehova.

4 U ya busiswa lomuntu o wenza uJehova a be itemba lake; o nga pendukeli kubo abazidhlayo, na kubo aba pambukela emangeni.

5 Jehova, Tixo wami, wena wenze i be

miningi imimangaliso yako, nezinkumbulo zako ngati; akuko ukuzilinganisa pambi kwako; ngi ya kutyo, ngi shumayeke, zi vamile nga pezu kokubalwa.

6 Umnikelo nesipo a u si funanga; izindhlebe zami u zi bobosele mina; umnikelo wokutya, nowesono a u wu bizanga.

7 Lapo nga ti, Bheka ngi yeza, enewadini e songiweyo ku lotyiwe ngami; uku ti,

8 Ngi ya jabula ukwenza intando yako, Tixo wami; nomteto wako u pakati kwemibilini yami.

9 Ngi shumayeke ukulunga emhlanganweni omkulu; bheka a ngi yi ku bambezela izindebe zami, Jehova, wena u ya kwazi.

10 A ngi fihlanga ukulunga kwako enhliziyweni yami; ngi ya ku shumayela ukukoleka kwako nokusindisa kwako; a ngi fihlanga umusa wako neqiniso lako kuwo umhlangano omkulu.

11 Wena, Jehova, ma u nga valeli ububele bako kimi; umusa wako neqiniso lako ma li ngi geine njalo.

12 Ngokuba izinkatazo ezi nge nakubalwa zi ngi haqile; izipambeko zami zi ngi fikele ngi ze ngi nga be ngi sa bona; zi ya vama ku nezinwele zekanda lami, ngako inhliziyo yami i ngi shiyile.

13 Jehova, ma u vume uku ngi kulula; Jehova, u tyetye uku ngi siza.

14 Ma ba jabe, ba be namahloni kanye aba fuua umpfumlo wami uku wu susa; ma ba buyiselwe emuva, ba jabiswe a ba fisa ukonakala kwami.

15 Ma ba dumale ku be impindiselo yehlaza labo, a ba tyo kimi ukuti, aha! aha!

16 Ma betabe ba jabule kuwe bonke aba ku funayo; ma ba tyo njalo ukuti, Mkulu uJehova.

17 Kepa mina ngi mpofu, ngi odingayo; iNkosi yo ngi naka; u ngukusiza kwami nomkululi wami; Tixo wami ma u nga libali.

IZIHLABELELO 41.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo sika Davida.

**U**YA busiswa yena o naka ompofu; uJehova wo m sindisa ngosuku olubi.

2 uJehova wo m geina a m pilise; yena wo busiswa emhlabeni; wena a yi ku m nikela entandweni yezita zake.

3 uJehova wo m pasa okukwini lwe-

sifo; wena u ya ku m endhlalela ekuguleni konke kwake.

4 Nga ti, Jehova, ngi haukele; lulumisa umpfumlo wami; ngokuba ngi konile.

5 Izita zami zi ya kuluma okubi ngami; U ya kufa nini, ku citeke negama laka na?

6 Noma e za 'ku ngi bona, wo kuluma amanga; inhliziyo yake yo zibutela ukonakala; e se pumele ngapandhle, wo kuluma.

7 Bonke a ba ngi zondayo ba ya nyezelayana ngami, ba ya ceba ngami ukungona.

8 Ba ti, Into embi i namatela kuye; yena o lele pansa a ka yi ku buya a vuke.

9 Naye umuntu o umhlobo wami, e nga temba kuye, o wa dhla isinkwa sami, u ngi pakamisele isitende sake.

10 Kepa wena, Jehova, ma u ngi haukele, u ngi lulumise, ukuba ngi buyisele ku bona.

11 Nga loku ngi ya kwazi ukuba u ya ngi tanda, ngokuba isita sami a s'etabi pezu kwami.

12 Kepa mina u ya ngi pasa ebuqotweni bami, u ngi mise ebusweni bako ku ze ku be pakade.

13 Ma ka bongwe uJehova, uTixo ka Israeli ku suke kwa pakade ku ze ku be pakade. Amen, no Amen.

IZIHLABELELO 42.

Kumholi wokuhlabelela. igama lokuqondisa ngamadodana aka Kora.

**N**JENGENHLUZELO i nxanele imifula yamanzi, njalo umpfumlo wami u nxanele wena Tixo.

2 Umpfumlo wami womela uTixo, uTixo opilileyo; ngi ya kuza nini ngi bonakale pambi kuka Tixo na?

3 Izinyembezi zami za be zi ukudhla kwami ngemini na ngobusuku ngokutyo kwabo kimi imihla yonke ukuti, U pi uTixo wako na?

4 Ngi ya kumbula loku, ngi pumise umpfumlo wami; ngokuba nga be ngi ye nesixuku, nga be ngi hambile kahle endhlini ka Tixo ngezwi lokwetaba, ne lokubonga nebandhla elisontayo.

5 Yini ukuba u kotame mpfumlo wami, u katazeke pakati kwami? m etembe uTixo; ngokuba ngi se za ku m bonga, ukukululwa kobuso bake.

6 Tixo wami umpfumlo wami u kotamile pakati kwami; ngako ngo ku ku-

mbula ngi sezweni la seJordani, nelamaHermoni, nasentabeni iMizari.

7 Isikukula si ya biza isikukula ekuhlokomeni kwezimpopomo zako; onke amadhlambi ako namaza ako a ya dhulla pezu kwami.

8 uJehova wo yaleza umusa wake nge-mini; nasebusuku uku m hlabelela ko ba kimi, nokutandaza kwami kuTixo wokupila kwami.

9 Ngi ya kuti kuTixo dwala lami, U ngi kohlwe ngani na? ngi ya hamba ngi olilayo ngokuhlupa kwesita ngani na?

10 Ngokucobaza ematanjeni ami, abahluplami bami ba ya ngi jezisa; ngokutyo kwabo kimi imihla yonke, ukuti, uTixo wako u pi na?

11 Yini ukuba u kotame mpfumlo wami? u katazeke ngani pakati kwami na? m etembe uTixo, ngokuba ngi se za ku m bonga, ukukululwa kobuso bami, uTixo wami.

IZIHLABELELO 43.

**N**GAHLULE, Tixo, u pikele ukupikisana kwami nesizwe esi nge namusa; ngi sindise kumuuntu wenkohliso nesonakalo.

2 Ngokuba wena u nguTixo wamandhla ami; u ngi delile ngani na? ngi ya hamba ngi olilayo ngokuhlupa kwesita ngani na?

3 Tuma ukukanya kwako neqiniso lako; kona ku ya ku ngi hola; ku ngi zise entabeni e ingewele yako, nasematenteni ako.

4 Lapo ngi ya kuza elatini lika Jehova, kuTixo injabulo yokwetaba kwami; ngi ku bongwe ngogubu, Tixo, Tixo wami.

5 Yini ukuba u kotame mpfumlo wami? u katazeke ngani pakati kwami na? m etembe uTixo; ngokuba ngi se za ku m bonga, ukukululwa kobuso bami, uTixo wami.

IZIHLABELELO 44.

Kumholi wokuhlabelela, kuwo amadodana aka Kora, Igama lokuqondisa.

**T**XIXO si zwile ngezindhlebe zetu, obaba ba si tyelile ngokwenza o wa kwenzama emihleni yabo, emihleni ya sendulo.

2 Wena wa xotya izizwe ngesandhla sako, wa tyala bona; wa cita abantu bazo, wa ba kipa.

3 Ngokuba a ba zuzanga izwe ngenkamba yabo, nengalo yabo a i ba sindisanga; kanti isandhla sokunene sako, ne-

ngalo yako, nokukanya kobuso bako, ngokuba wa u nobunene kubo.

4 Wena u iyo iNkosi yami, Tixo; ya-leza ukukululwa kuka Jakobe.

5 Ngawe so kapeza izita zetu; ngegama lako so nyatela pansi bona abasivukelayo.

6 Kepa a ngi yi kwetemba kuwo umcibityelo wami; nenkemba yami a i yi ku ngi sindisa,

7 Loku wena u si sindisile eziteni zetu; wa jabisa bona abasizondayo.

8 So hubela uTixo imihla yonke, si bonge igama lako ku ze ku be pakade. Sela.

9 Loku u si lahlile, u si jabisile, futi u nga hambi namabandhla etu;

10 U si nqandile eziteni zetu; kwa ti abasizondayo ba panga ngokwabo;

11 U si nikile njengezimvu zokuhlattywa, u si hlakazile ezizweni.

12 U tenga abantu bako ngokungacebisiyo, u nga zuzanga ngenteng yabo;

13 U si bekile si be ukuhlakazeka kubo e sakelene nabo; isihlekiso, nesidelelo kubo a ba si zungezayo;

14 U si bekile si be isiqango ezizweni, ukuqekuza kwekanda pakati kwabantu;

15 Ukujaba kwami ku pambi kwami, nezinhloni zobuso bami zi ngi sibekele,

16 Ngezwi lojezisayo nofenyisayo, ebusweni bozondayo nopindiselayo;

17 Loku konke ku fikile pezu kwetu; kepa a si ku kolwanga, a si kohlisanga ngesivumelano sako.

18 Inhliziyo yetu a i buyelanga emuva, ukupambukisa izinyatelo zetu endhleleni yako;

19 Loku u si cobozile endaweni yama-kanka, u si sibekele ngetunzi lokufa.

20 Uma si kohlwe igama lika Tixo wetu, noma si zelule izandhla zetu kutixo wezizwe;

21 uTixo a ka yi ku hlola loku na? ngokuba yena u ya zazi izimfihlakalo zenhliziyo.

22 Ngokuba ngenxa yako si ya bula-wa imihla yonke; ku tiwa si yizimvu zokuhlattywa.

23 Vuka, Nkosi, u laleleni na? papa-ma, u nga si lahli ku be ngunapakade.

24 U ya fihla ubuso bako, u kohlwe inhlupeko yetu nokukatazeka kwetu ngani na?

25 Ngokuba umpefumlo wetu u kote-me otulini; isisu setu si namatele emhlabatini.

26 Vuka ngokusizisa, u si kulule ngenxa yomusa wako.

### ISIHLABELELO 45.

Kumbholi wokuhlabelela ngentebe kuwo amadodana aka Kora. Isiqondiso, Igama labatandekayo.

**I**NHLIZIYO yami i ya pupuma ngen-daba enhle; ngi shumayela ukuqamba kwami ngeNkosi; ulimi lwami lu ipeni lombali otyetyayo.

2 U muhle wena ku namadodana abantu; ubuhle bu teliwe ezindebeni zako; ngako uTixo u ku busisile ku ze ku be pakade.

3 Bopa inkemba yako etangeni lako, qawe, ubukosi bako nokuhlaba kwako.

4 Ku ti ekuhlottyeni kwako hlahlamele u ye u kwele ngeqiniso, nokutobeka, nokubonga; ko ti isandhla sokunene sako si ya ku ku fundisa okusabekayo.

5 Imisebe yako i bukali, abantu ba ya wa pansi kwako; i senhliziyweni yabazondi beNkosi.

6 Isihlalo sako sobukosi, Tixo, si pakade napakade, umsila wombuso wako u umsila oqoto.

7 U ya tanda ukulunga, u zonde okubi; ngako uTixo, uTixo wako, u ku geobile ngamafuta enjabulo ngapezu kwabangane bako.

8 Zonke izambato zako zi colwe ngenmure nenhlaba, nekasia, ezigodhlweni zopondo lwendhlovu aba ku jabulisile ngazo.

9 Amadodakazi amakosi a se sifazaneni esidumileyo sako; inkosikazi i mi kwesokunene sako egolideni la seOfire.

10 Yizwa, ndodakazi, u bone, u beke indhlebe yako; u kohlwe nabantu bako nendhlu ka yihlo;

11 Ko ti inkosi i tande ubuhle bako; ngokuba yona i inkosi yako, ngako i dumise.

12 Ko ti indodakazi ya seTire i be kona nesipo; abaecebileyo babantu ba kuleke ebusweni bako.

13 Indodakazi yenkosi i ukukazimula kodwa ngapakati; ukwambata kwayo kwalukwe ngegolide.

14 Yo holelwa enkosini i mbete umfeketiso; izintombi, abangane bayo emuva kwayo zo letwa kuwe.

15 Zo holelwa ngokujabula nokweta-ba; zo ngena esigodhlweni senkosi.

16 Esikundhlani soyihlo, o ba kona amadodana ako; o ya ku wa beka a be izikulu emhlabeni wonke.

17 Ngi ya kwenza li kunjulwe igama lako ezizukulwaneni zonke; ngako abantu bo ku bongwa ku ze ku be pakade napakade.

ISIHLABELELO 46.

Kumholi wokuhlabelela, kuwo amadodana ka Kora, ngezwi lezintombi. Igama.

**U**JEHOVA u yisipepelo setu, namandhla etu, u ya funyanwa e osizayo ngamandhla ezinhlupekweni.

2 Ngako a si yi kwesaba ekuguqukeni komhlaba, nasekudilikeni kwezintaba pakati kolwandhle.

3 Amanzi awo a nga hlokoma a xapazele, izintaba zi nga zamazama ngokukukumala kwawo. Sela.

4 U kouna umfula o misele yawo yo jabulisa umuzi ka Tixo, indawo e ingewele yamatente Opakamileyo.

5 uTixo u pakati kwawo; a u yi ku zanyazanyiswa; uTixo wo wu siza ngovi- vi lokusa.

6 Izizwe za xokozela, imibuso ya zamazama; wa punisela izwi lake, uuhlababa wa neibilika.

7 uJehova wamabandhla u kiti; uTixo ka Jakobe u yinqaba yetu. Sela.

8 Yizani ni bone izenzo zika Jehova; izincitakalo a z'enzileyo emhlabeni.

9 U ya tulisa ukulwa ku ze ku be semikaulweni yomhlaba; u yapula umcibityelo, a wu nqume umkonto, u ya tyisa izinwele ngomlilo.

10 Yekani nazi ukuba ngi nguJehova; ngi ya kupakama pakati kwezizwe, ngi ya kupakama emhlabeni.

11 uJehova, wamabandhla u kiti; uTixo ka Jakobe u yinqaba yetu. Sela.

ISIHLABELELO 47.

Kuwo umholi wokuhlabelela, kuwo amadodana ka Kora. Isihlabelelo.

**T**YAYANI izandhla nonke nina 'bantu; ni hubele kuTixo ngezwi lokweta.

2 Ngokuba uJehova Opakamileyo u yesabeka; u iNkosi enkulu pezu komhlaba wonke.

3 Wo tobisa abantu pansi kwetu, nezizwe pansi kwezinyawo zetu.

4 Wo si ketela inuzuzo yetu, ubuhle buka Jakobe a m taudayo. Sela.

5 uTixo wenyukela ngenxokozelo, uJehova ngokukala kwetilongo.

6 Hlabelelani uTixo, ni hlabelele; hlabelelani kuyo iNkosi yenu, ni hlabelele.

7 Ngokuba uTixo u iNkosi yezwe lonke; hlabelelani ni qonde.

8 uTixo u ya busa pezu kwezizwe; uTixo u hlezi pezu kwesihlalo sake sobukosi esi ingewele.

9 Abanumuzana babantu ba hlangene, abantu baka Tixo ka Abrahamama; ngokuba izihlangu zezwe e zika Tixo; u pakeme kakulu.

ISIHLABELELO 48.

Igama, Isihlabelelo kuwo amadodana ka Kora?

**M**KULU uJehova nga e bongwa, kakulu yena, emzini ka Tixo wetu, intaba yake e yingewele.

2 I me kahle, i ukutokoza komhlaba wonke intaba iZioni, emacaleni a senyaka, umuzi weNkosi enkulu.

3 uTixo u zingodhlweni zalo, u yaziwa u yinqaba.

4 Ngokuba, bheka, amakosi a hlangene; a dhlulele kanye.

5 Ngo ku bona, a dumala; a tutumela, a baleka.

6 Ukututumela kwa wehlela, nobuhlungu njengaye obeletayo.

7 Wena u yapula imikumbi ya seTarsishi ngomoya wa sempumalanga.

8 Njengaloku e si ku zwileyo, njalo si bonile emzini ka Jehova wamabandhla, emzini ka Tixo wetu; uTixo wo wu nisa ku ze ku be pakade. Sela.

9 Si ya kumbula, Tixo, umsa wako pakati kwetempeli lako.

10 Njengalo igama lako, Tixo, ku njalo ukubongwa kwako ku ze ku be semikaulweni yomhlaba; isandhla sokunene sako si gewele ukulunga.

11 Intaba iZioni ma i jabule, namadodakazi a seJuda etabe ngenxa yokwahlulo kwako.

12 Zungezani iZioni, ni li haqe; ni bale iziqongo zalo.

13 Bhekali ngenhliziyi izako eziqini- leyo zalo, ni dabule izigodhlo zalo; ukuzeni ku tyele kuso isizukulwane esi landelayo.

14 Ngokuba lo uTixo u nguTixo wetu ku ze ku be pakade; wo si hola ku ze ku be sekufeni.

ISIHLABELELO 49.

Kumholi wokuhlabelela, kuwo amadodana ka Kora. Isihlabelelo.

**Y**IZWANI loku nonke nina bantu; ni beke indhlebe nonke nina eni hleziyo emhlabeni.

2 Nina madodana abantu, nani ma-

dodana amakosi, ocebileyo kanye nompofu.

3 Umlomo wami wo kuluma ukuhlakaniya; ko ti ukueabanga kwenziliziyo yami ku be amazwi a qondileyo.

4 Ngo nika indhlebe yami kuso isiga; ngo qala igama lami ngogubu.

5 Nga ngi saba ngani ezinsukwini ezimbi na? nxa ukonakala kwabangiqamelayo ku ngi haqa na?

6 Bona a betemba kuyo imfuyo yabo; be zigabise ngengebebo yabo,

7 Amuko umuntu kubo o nga hlaula ngokuhlaulela umfo wabo; amuko o nga nika kuTixo isikululo sake.

8 (Kanti isihlaulelo sompefumlo wabo sikulu; a si be si sa bako ku ze ku be pakade.)

9 Ukuba a pile ku be pakade, a nga ku boni ukubola.

10 Ngokuba u ya bona ukuba abahlakaniyileyo ba ya fa; isila nesipukupuku zi ya buba kanye, zi ba shiyele abasemuva kwabo, imfuyo yabo.

11 Ku umzindhlo wabo ukuba izindhlu zabo zi ya kuba kona ku ze ku be pakade; nezindhlu zabo zo ba kona kuzo izizukulwane nezizukulwane; ba ya yi ta imihlabati yabo nganagama abo.

12 Kodwa umuntu o dumileyo a ka yi kuhlala; u ya fana nezilwane ezibubayo.

13 Lendhlele yabo i ubuula babo, kepa abasemuva kwabo ba ya kolwa ngomlomo wabo. Sela.

14 Njeugezimvu ba ya bekwa esheoli; ukufa ko ba dhla; abaqoto bo nyatela pezu kwabo ekuseni; ko ti isimo sabo si bole esheoli si nga be si sa bako ezindhlini zabo.

15 Kanti uTixo wo hlaulela umpefumlo wami esandhlени sesheoli, ngokuba yena wo ngamkela. Sela.

16 U nge sabi uma umuntu e cebile, uma udumo lwendhlu yake lwandile;

17 Ngokuba ekufeni kwake a ka yi kupata luto; udumo lwake a lu yi kwelaha emva kwake.

18 Noma ekupileni kwake wa bonga umpefumlo wake; (ko ti ba ku bongwe uma u z'enzele okuhle.)

19 Wo ya esizukulwaneni sa oyise, a ba yi ku bona ukukanya ku ze ku be pakade.

20 Umuntu odumileyo, e nga qondi, u ya fana nezilwane ezibubayo.

## ISIHLABELELO 50.

Isihlabelelo kuye uAsafa.

UTIXO o namandhla, uJehova, u kulumile; u bizile izwe ku suke ekupumeni kwelanga ku ze ku be sekutyoneni kwalo.

2 eZioni, ukupelela kobuhle, uTixo u kanyile.

3 uTixo wetu u ya kuza, a ka yi kutula: umlilo wo dhla pambi kwake, ku ya ku vuza kakulu nga kuye.

4 U ya kubiza kulo izulu ngapezulu, na kuwo umhlaba ukuze ahlule abantu bake.

5 Butelani kimi abahlonipayo bami; abanquma uvumelwano lwami ngoku ngi hlabisa.

6 Ko ti izulu li tyele ukulunga kwake; ngokuba uTixo u ngumahluli. Sela.

7 Yizwani bantu bami, ngi ya kukuluma; Israeli, ngo qinisa ngawe; ngi uTixo, uTixo wako.

8 A ngi yi kukutetisa ngeminikelo yako, na ngetyisiweyo yako pambi kwami ngezikati zonke.

9 A ngi yi kutabata inkunzi endhlini yako, nezimpongo ezibayeni zako.

10 Ngokuba zonke izilwane zehlali ezami; nezinkomo e zi sezintabeni ezi inkulungwane.

11 Ngi ya zazi zonke iziuyoni zezintaba; nezilo zasenhle zi kimi.

12 Uma be ngi lambile a ngi nga tye-langa wena ngokuba umhlaba owami, nokugewala kwawo.

13 Ngi ya kudhla inyama yezinkunzi, ngi puze igazi lezimpongo na?

14 Nikela kuTixo ukubonga; u koke kuye Opakamileyo izitembiso zako;

15 U ngi bize ngosuku lwenhlupeko; ngi ya kukulula, wena u ya ku ngi dumisa.

16 Kepa kuye omubi uTixo u ti; Yini ukuba u shumayele imiteto yami; nokuba u tabate uvumelwano lwami ngomlomo wako na?

17 Wena pela u ya zonda ukululeka, u lahle amazwi ami emva kwako.

18 Uma u bona isela, wa u tokozana nalo, wa u hlanguyela nezipingi.

19 U ya tuma umlomo wako ebubini, u ti ulimi lwako lu qambe inkohliso.

20 U hlezi u hleba umfo wenu; u ya beka isikubekiso kuyo indodana ka nyoko.

21 Loku u kwenzile nga ti nga tula; wa cabanga ukuba ngi njengawe impe-

la; ngo ku kuza ngi lungise loku emehlweni ako.

22 Manje qondani loku, nina e ni kohlwa uTixo, funa ngi ni dabule, ku ze ku nga biko osindayo.

23 O hlaba ukubonga u ya ngi dumisa; u ti o qapela ngendhlela yake, ngo m bonisa ukusindisa kuka Tixo.

ISIHLABELELO 51.

Kumbholi wokuhlabelela, Isihlabelelo nguDavida, ekuzeni kuye kuka Natani umazisi emva kokungenena kwake kuBatsheba.

**N**GI haukele Tixo ngokomusa wako; ngokobuningi bobubele bako ma u hlangule izipambeko zami.

2 Ma u ngi hlanzise kakulu ebubini bami, u ngi hlanze ekoneni kwami.

3 Ngokuba ngi ya zazi izipambeko zami; nesono sami si pambi kwami ngezikati zonke.

4 Ngonile kuwe, wena wedwa, ngi benzile lobububi emehlweni ako; ukuze u tiwe u lungile ekushumayeleni kwako, u hlanzeke ekwahluleni kwako.

5 Bheka nga zalelwa ebubini, nasekoneni umame wa ngi tabata.

6 Bheka u ya tanda iqiniso ngapakati; ku ti ekusitekeni wo ngazisa ukuhlakanipa.

7 Ngi hlanze ngehisope, ngo ba ngi hlanzekile; ngi ewengisise, ngo ba mhlope ku neqwa.

8 Ngi zwise intokozo nenjabulo; ukuze amatambo o wa cobozileyo etabe.

9 Fihla ubuso bako ezonweni zami, u hlangule ububi bonke bami.

10 Ma u ngenzele inhliziyo ehlanzekileyo, Tixo; u vuse umoya oqinisekileyo ezibilinini zami.

11 Ma u nga ngi lahli ebusweni bako; u nga susi kimi umoya wako oyingewe.

12 Ma u buyisele kimi intokozo yokusindisa kwako; u ngenzele umoya ovumayo.

13 Lapo ngo fundisa abapambekayo izindhlela zako; ko ti izoni zi buyele kuwe.

14 Ngi kulule egazini Tixo, Tixo wokusindisa kwami; ulimi lwami lo hubelela ukulunga kwako.

15 Nkosi, vula izindebe zami; ku ya kuti ulimi lwami lu shumayele udumo lwako.

16 Ngokuba a u tandi umnikelo, nga ngi ku nika wona; otyisiweyo a u tokozi ngawo.

17 Iminikelo ka Tixo i ngumoya oda-

bukileyo; inhliziyo edabukile, eyapukile, Tixo, a u yi kuyidela.

18 Yenza okuhle eZioni emuseni wako; u lake izindonga za seJerusalema.

19 Lapo wo tanda iminikelo yokulunga, etyisiweyo netyisiweyo impela; lapo ba ya kunikela izinkunzi pezu kwamalati ako.

ISIHLABELELO 52.

Kumbholi wokuhlabelela. Isiqondiso nguDavida. Ekuzeni kuka Doegi umEdomi lapo wa m tyela uSauli, wa ti kuye uDavida u fikile endhlini ka Ahimeleki.

**Y**INI ukuba u zigabise ebubini wena isiqwaga na? umusa ka Tixo u sezindaweni zonke.

2 Ulimi lwako lu ya ceba ukonakalisa; lu njengisingo eloliweyo lwenza inkohliso.

3 Wena u ya tanda ububi ku nokulungileyo; nokuqamba amanga ku nokukuluma ukulunga. Sela.

4 U ya tanda onke amazwi okugwinya, wena lulimi lwenkohliso.

5 Impela uTixo wo ku cita ku be njalo, wo ku pata a ku kipe enhlalweni yako; wo ti a ku domule ezweni labapilileyo. Sela.

6 Abalungileyo bo bona, nabo besabe, futi ba ya ku m hleka:

7 Be ti, Bheka nasi isiqwaga e si nga m enzanga uTixo amandhla aso; kanti wetemba ekuvameni kwengebo yake, waziqinisa ekonakaliseni.

8 Kepa mina ngi njengomhlwati oluhlaza endhlini ka Tixo; ngi yetemba emuseni ka Tixo ku ze ku be pakade.

9 Ngi ya kukubonga ku ze ku be pakade, ngokuba u kwenzile; ngi ya kubheka igama lako; ngokuba kuhle pambi kwabayingewele bako.

ISIHLABELELO 53.

Kumbholi wokuhlabelela ogubwini. Isiqondiso nguDavida.

**I**SIULA si ti enhliziyweni yaso, Amuko uTixo. Bonakalisile, benzile okubi okunengekayo; amuko o wenza okulungileyo.

2 uTixo wa buka e sezulwini pezu kwamadodana abantu ukubona uma e kona oqondayo e m funa uTixo.

3 Ba dukile bonke; ba ncolile kaanye; akako o wenza okulungileyo akako noyedwa.

4 A bazi yini abasebenzi bokubi? a ba dhla abantu bami njenga loku ba si dhla isinkwa, be nga kuleki kuTixo.

5 Lapo besaba ngokwesaba nokuba kwa ku nge ko okusabekayo; ngokuba uTixo u hlakazile amatambo ake o ku vimbelayo; wena u ba jabisile, ngokuba uTixo u ba delile.

6 Ubani o woni na nika ukusindisa kuIsraeli ku vele eZioni na? Uma uTixo e buyisa ukutunjwa kwabantu bake uJakobe u ya kwetaba, a jabule uIsraeli.

IZIHLABELELO 54.

Kumholi wokuhlabelela pezu kwogubu. Isiqondiso nguDavida lapo amaZifi e za a ti kuSauli, uDavida a ka zifihlele kiti na?

**N**GI sindise Tixo ngegama lako ngaluhlele ngobuqawe bako.

2 Tixo, yizwa umtandazo wami, u nikele indhlebe emazweni omlobo wami.

3 Ngokuba abafu ba ngi vukele, abanolaka ba ya funa umpefumlo wami, a ba bekanga uTixo pambi kwabo. Sela.

4 Bheka uTixo u ngosizayo kimi; iNkosi i kubo abapasayo umpefumlo wami.

5 Yo buyisela okubi kuzo izita zami; ma u zi nqume eqinisweni lako.

6 Ngi ya kunikela kuwe umnikelo ngokuvuma; ngo bonga igama lako Jehova, ngokuba ku lungile.

7 Ngokuba u ngi kululile ekuhlutyweni konke; futi iso lami li bhokile ezitweni zami.

IZIHLABELELO 55.

Kumholi wokuhlabelela pezu kogubu. Isiqondiso, nguDavida.

**T**IXO, ma u nikele indhlebe ekutandazweni kwami; u nga zifihli ekuceleni kwami.

2 Lalala kimi, u ngi pendule; ngi ya nyakaza ekulineni kwami, ngi bubule;

3 Ngezwi lesita, ngenxa yokucindezela komubi; ngokuba ba ya ngi ponsa ngokubi, ba ngi camele olakeni.

4 Inhliziyo yami i ya zibinya pakati kwami; ku ti amavuso okufa a ngi wele.

5 Ukwesaba nokuzamazama ku fikile pezu kwami, ukututumela ku ngi sibekele.

6 Nga se ngi ti, Ubani o ya ku ngi nika amapiko a njenga wejuba, ngi ndizele ngi hlale.

7 Bheka, nga ngi baleka ngi ye kude ngi lala ehlane. Sela.

8 Nga ngi tyetyisa ukusinda kwami ngi suka emoyeni o vunguzayo nasasipepweni.

9 Cita Nkosi u zahlukanise izilimi za-

bo; ngokuba ngi bonile ukuhlupa nokuxabana emzini.

10 Emini nasebusuku ba ya zungeza ezindongeni zawo; ukonakala nokukatazeka ku pakati kwawo.

11 Ukonakalisa ku pakati kwawo; ukuhlupa nokukohlisa a ku dedi ezindhlehleni zawo.

12 Ngokuba a siso isita e si ngi jezisayo; nxa ku njalo nga ngi ku twala; a si ye o ngi zondayo o be e zikulisile pezu kwami; nxa ku njalo, nga ngi zifihla kuye.

13 Kepa uwena, umuntu olingana nami, ohlangeneyo nami, umgani wami.

14 E senza naye ku be mmandi ukukulumana kwetu, e si hambela naye endhlini ka Tixo ebandhlini.

15 Ukufa ma ku ba zume, ma ba tyone eSheoli be se zwa; ngokuba ububi bu sezinhlalweni zabo, pakati kwabo.

16 Mina ngi ya kukala kuTixo; ko ti uJehova a ngi sindise.

17 Kusihlwa, na kusasa, na semini, ngo kuleka, ngi lingoze; ko ti e zwe izwi lami.

18 Wa kulula umpefumlo wami ekuhlweni o ku kimi ku be kona ukutula; ngokuba ba be baningi kimi.

19 uTixo u ya kuzwa, a ba hlule; yena o be hlezi endulo. Sela. Bona o ku ngeko kubo ukupenduka ka ba m esabi uTixo.

20 U zelulile izandhla zake pezu kwabo a ba be lungelene naye, u lwapulile uvumelwano lwake.

21 Amazwi omlobo wake a butyelezi ku namafuta, kepa ukulwa ku be senhli-ziyweni yake; a be o tambile amazwi ake ku namafuta agijimayo, kepa a be izinkemba ezikokiweyo.

22 Ponsa pezu kuka Jehova umtvalo wako, wo ti a ku pase, a ka sa yi ku yeka abalungileyo ba zanyazanyiswe napakade.

23 Kanti wena Tixo wo behlisela emgodini wokubujiswa abantu begazi nenkohliso; a ba yi kufeza inxenye yezinsuku zabo, kepa mina ngi ya kwetemba kuwe.

IZIHLABELELO 56.

Kumholi wokuhlabelela ngejuba lokutula pakati kwabafu, nguDavida. Igama ekubanjweni kwake ngabufilisti eGati.

**Y**IBA nomisa kimi Tixo; ngokuba abantu ba ya ngi futu, ba ya lwa imihla youke, ba ngi eindezele.



2 Izita zami zi ya ngi futa imihla yonke, ngokuba ba ningi aba lwa nami benokuzidlhla.

3 Osukwini e ngi saba ngalo ngo temba kuwe.

4 KuTixo ngo bonga izwi lake; kuTixo ngi be ngi m etemba, a ngi yi kwesaba; inyania i ngenzani kimi na?

5 Ba ya ngewa amazwi ami imihla yonke; amacebo onke abo a ngokubi kimi.

6 Ba ya zihlanganisa, ba bace; ba qapela izinyatelo zami, njengabo a ba lalala umpfumlo wami.

7 Ku kona kubo ukupunyuka ngokubi na? wisa pansi abantu ngolaka, Tixo.

8 U ya bala ukuzula kwami; beka izinyembezi zami egabeni lako; aziko enewadini yako na?

9 Lapo izita zami zo buyela emuva ngosuku e ngi kala ngalo; ngi ya kwazi loku; ngokuba uTixo u kimi.

10 KuTixo ngo bonga ngezwi; kuJehova ngo bonga ngezwi.

11 Ngil be ngetemba kuTixo, a ngi yi kwesaba; umuntu a ngenzani kimi?

12 Tixo, izifungo zako zi pezu kwami; ngo koka izibongo kuwe.

13 Ngokuba u sindisile umpfumlo wami ekufeni; a u yi ku sindisa izinyawo zami ekuweni, ukuze ngi zi hambele pambi kuka Tixo ekukanyeni kwabapilileyo na?

ISIHLABELELO 57.

Kumholi wokuhlabelela. U nga citi, nguDavida. Igama ekubalekeni kwake ebusweni buka Sauli empandwini.

**Y**IBA nomusa kimi Tixo, Yiba nomusa kimi, ngokuba umpfumlo wami u yetemba kuwe; ngi ya kwetemba etunzini lamapiko ako, zi ze zi dhlule izihlupo.

2 Ngo kalela kuTixo Opakamileyo, kuTixo o ngi fezelayo.

3 Wo tuma e sezulwini a ngi sindise ekujeziseni ko ngi futayo. Sela. uTixo wo tumela umusa wake neqiniso lake.

4 Umpfumlo wami u pakati kwezinyonyama; ngi ya lala kwabavutayo, abantwana babantu, a bamazinyo abo a yimikonto nemisebe, ba ti ulimi lwabo lu yinkemba ebukali.

5 Ma u pakame, Tixo, pezu kwezulu, ukukazimula kwako ma ku be pezu kwezwe lonke.

6 Ba beka umgibe ezinyaweni zami; umpfumlo wami u koteme; ba mbile

pambi kwami umgodi, ba wile pakati kwawo. Sela.

7 Inhliziyo yami i ya qiniseka Tixo, i ya qiniseka inhliziyo yami; ngo hlabelela, ngi tyaye ugubu.

8 Vuka, dumo lwami; vuka gubu nomqangi; ngo vuka ngovivi lokusa.

9 Ngo ku bonga, Nkosi yami, pakati kwabantu; ngi tyaye ugubu kuwe pakati kwezizwe.

10 Ngokuba umusa wako mkulu ku ze ku be sezulwini, neqiniso lako ku ze ku be semafwini.

11 Ma u pakame pezu kwezulu, Tixo; nokukazimula kwako pezu kwezwe lonke.

ISIHLABELELO 58.

Kumholi wokuhlabelela. U nga citi, nguDavida, Igama.

**N**I ya kuluma ukulunga ngokutula isibili na? ni yahlula ngokulingana madodana abantu na?

2 Impela ni ya sebenza ukonakalisa enhliziyweni; ni ya linganisa uhlupo lwezandbala zenu emhlabeni.

3 Ababi ba ya pambuka kwa sekuzalweni, ba yeduka kwa sesiswini, ba kuluma amanga.

4 Ubuhlungu babo bu njengobuhlungu benyoka; njengebululu elingezwayo, e li vimba indhlebe yalo.

5 E li nga yi ku lalala kulo izwi lababuli aba bula ngokuhlakanipa.

6 Pohloza amazinyo emhlati ezingonyama ezintya Jehova.

7 Ma ba necebileke njengamanzi, ma ba muke njalo; lapo e gobisa umecebityelo ukunsala inisebe yake, njalo ma ba zinqume.

8 Njengomnenke o necebileka ekuhambeni, njengesipunzi somfazi ba nga boni ilanga.

9 Izimbiza zenu zi nga wa wu zwa umlilo wameva, wo ba susa ngesipepo be sa pila, olakeni lwake.

10 Olungileyo wo jabula ngokuba u bonile impindiselo wo geza izinyawo zake egazini lababi.

11 Ku ya kuti umuntu a ti; impela u kona umvuzo kolungileyo; impela u kona uTixo o wahlulayo emhlabeni.

ISIHLABELELO 59.

Kumholi wokuhlabelela. U nga citi, nguDavida. Igama lapo uSauli wa tuma, ba linda indhlu uku m bulala.

**N**GI kulule eziteni zami, Tixo wami; ngi pakamise pezu kwabangivukelayo.

2 Ngi kulule kwabasebenzi bokubi; na kubantu begazi ma u ngi sindise.

3 Ngokuba, bheka, ba ya bacela umpefunlo wami; abanamandhla, ba ya ngi butanela; ku nge siko ngokupambeka kwami, ku nge siko ukona kwami, Jehova.

4 Ba ya gijima, ba zilungisele li ngeko icala kimi; vuka uku ngi hlangulisa, u bone.

5 Ngako, wena Jehova, Tixo wama-bandhla, Tixo wabaIsraeli, vuka ukuhlutywa kwezizwe zonke; u nga haukeli namunye wabakohlisayo ekoneni. Sela.

6 Ba buya kusihlwa; ba vungama njengenja, ba zungeze umuzi.

7 Bheka ba ya futa ngehhlamba emlonyeni wabo; iziinkemba zi sezindebeni zabo; ngokuba, ba ti, Ubani o zwayo na.

8 Kepa wena, Jehova, wo ba hleka; wo delela zonke izizwe.

9 Ngawo amandhla ake ngo qonda wena, ngokuba uTixo u yinqaba yami.

10 uTixo womusa wami wo ngi hlenga; uTixo wo ngi bonisa impindiselo eziteni zami.

11 U nga ba bulali funa abantu bami ba kohlwe; ba nyakazise ngamandhla ako; u behlise Nkosi e yisihlangu setu.

12 Isono somlomo wabo si yizwi lezindebe zabo, ma ba banjwe ekuzidlheleni kwabo; ba ya kuluma ukutuka nama-nga nawo.

13 Qeda, qeda ngolaka, ku nga bi be sa bako; ba ya kuti bazi ukuba uTixo u ya busa eJakobe, ku ze ku be semikaulweni yomhlaba. Sela.

14 Ma ba buye kusihlwa; ma ba vungame njengenja, ba zungeze umuzi.

15 Ma ba nxibe ukudhla, ma be nga suti, ba hlale na sebusuku.

16 Kepa mina ngo hlabelela amandhla ako; ngi hubelele umusa wako ekuseni, ngokuba u be inqaba yami nesipepelo ngosuku lokuhlupeka kwami.

17 Mandhla ami ngo hlabelela kuwe, ngokuba uTixo u yinqaba yami, u uTixo womusa kimi.

#### ISIHLABELELO 60.

Kumholi wokuhlabelela ngetilongo lokuhlabelela. Igama nguDavida lokufundisa; ekulweni kwake eMesopotamia neAram-zoba lapo uJoabi wa buya wa tyaya eEdomi etafeni lika sawote aba izinkulungwane ezi lshumi neshiyagalombili.

**TIXO** u si lahlile, u si hlakazile, u bu tukutele; ma u buyele kiti.

2 U zamazisile izwe, u li dabulile; lungisa izimfa zalo; ngokuba li ya zamazama.

3 U bonisile abantu bako okululukuni; u si puzisile iwani lokudengezela.

4 U nikile bona aba kwesabayo isiboniso, si pakanyiswe pambi kweqiniso. Sela.

5 Ukuze abatandiweyo bako ba kululwe; sindisa ngesandhla sokunene sako, u ngi zwe.

6 uTixo u kulumile ebungeweleni bake; Ngi ya kwetaba, ngahlule iShekemi, ngi linganise itafa la seSukoti.

7 E lami iGiladi, e lami iManasa nalo; futi iEfraimi li amandhla ekanda lami; iJuda li unsila wokubusa kwami.

8 iMoabi li ukamba lwami lokugeza; pezu kwEdomi ngo ponsa isicatulo sami; Filistia yetaba pezu kwami.

9 Ubani wo ngi holela emzini o yinqaba na? ubani wo ngi kapela eEdomi na?

10 A si uwe, Tixo, o be e si lahlile na? a si uwe Tixo o wa e nga hambu empini yetu na?

11 Ma u senzele ukusiza ekuhlupeleni; ngokuba ku ize ukusindisa komuntu.

12 NgoTixo, si ya kwenza ngamandhla; ngokuba yena wo nyatela pansi izita zetu.

#### ISIHLABELELO 61.

Kumholi wokuhlabelela pezu kogubu nguDavida.

**YIZWA**, Tixo, ukukala kwami, u lalelele kuko ukukuleka kwami.

2 Ngo kala kuwe ngi sekupeleni komhlaba, uma inhliziyo i nesiyazi; ma u ngi holele edwaleni elipakeme kunami.

3 Ngokuba u yisipepelo sami, inqaba enamandhla ebusweni bezita.

4 Ngo hlala etenteni lako ku ze ku be pakade; ngo temba ekugubuzeleni kwamapiko ako. Sela.

5 Ngokuba wena, Tixo, u zwile izifungo zami; u ngi nikile inzuzo yabo aba lesabayo igama lakho.

6 Wo kweleka izinsuku kuzo izinsuku zenkosi; neminyaka yayo njengezizukulwane nezizukulwane.

7 Yo hlala pambi kuka Tixo ku ze ku be pakade; njuzela umusa neqiniso, ku yi geina.

8 Njalo ngo hlabelela igama lako ku ze ku be pakade; ngi hlaule izifungo zam ngemihla.

## ISIHLABELELO 62.

Kumholi wokuhlabelela, kuJedutuni, Isihlabelelo nguDavidana.

**I**MBALA umpefumlo wami i ya tula kuTixo; ukusindiswa kwami ku kuye.

2 Yena yedwa u yitye lami, nokusindiswa kwami; u yinqaba yami, a ngi yi kunyakaza kakulu.

3 Ni ya kusukela umuntu ku ze ku be nini na? ni ya kufohlozwa nina nonke njengodonga olu tambekileyo, notango olu kahlelwayo panshi.

4 Imbala ba ya ceba uku m wisa panshi ekupakameni kwake; ba ya tanda amanga; ba ya bonga ngomlomo wabo, kanti ba ya tuka enhliziyweni embilini nayo. Sela.

5 Yebo mpefumlo wami tula kuTixo; ngokuba itemba lami li kuye.

6 Yena yedwa u yitye lami, nokusindiswa kwami; u yidwala lami; a ngi yi kunyakaza kakulu.

7 I kuTixo inkululo yami nokukazimula kwami; itye lamandhla ami, isipepelo sami si kuTixo.

8 Temba kuye ngezikati zonke; nina bantu tokozelani pambi kwake inhliziyoyenu; uTixo u yisipepelo kiti. Sela.

9 Nembala ba umoya abafokazana, ba ngamanga abanumuzana; benyuke esilinganisweni; bona kanye ba yelula ku nomoya.

10 Ni nga tembi kulo uhlupo, ni nga zigabisi ngokupanga; uma infuyo yandile, ni nga beki kuyo inhliziyoyenu.

11 uTixo u kulumile kanye; kabili ngi zwile loku; ukuba amandhla a kuye uTixo.

12 Na ku wena Nkosi u kona umusa; ngokuba wena u pindisela kumuntu njengokwenza kwake.

## ISIHLABELELO 63.

Isihlabelelo nguDavidana lapo wa e sehlane la seJuda.

**T**IXO, u nguTixo wami wena, ngo ku funisisa; umpefumlo wami u ya komela; inyama yami yondela wena ezweni elomileyo eli dungalisayo, eli nge namanzi;

2 Ngi bone amandhla ako, nokukazimula kwako, njengaloku e ngi ku bonileyo endaweni e ingcwele.

3 Ngokuba umusa wako u mnandi ku nokuphila; izindebe zami zo ku babaza.

4 Njalo ngo ku bonga ekupileni kwami; egameni lako ngo pakamisa izandhla zami.

5 Umpefumlo wami wo suta amafuta

nonkuna; ko ti umlomo wami u duni-se wena ngezindebe ezetabayo.

6 Uma ngi ku kumbula embedeni wami, ngi zindhla ngawe ngemilindo yobusuku.

7 Ngokuba u be ukusiza kwami, ngi ya kwetaba nasetunzini lamapiko ako.

8 Umpefumlo wami u ya bambelela kuwe; isandhla sokunene sako si ya ngi pasa.

9 Kepa bona a ba funa umpefumlo wami uku wu cita, ba ya kuya ezindaweni ezingapansi komhlaba.

10 Ba ya kunikelwa esandhleni senkamba; ba be isabole sezimpungutye.

11 Kepa inkosi yo jabula kuTixo; bonke aba funga ngaye ba ya kwetaba; kanti umlomo wabo aba kuluma amanga wo vinjwa.

## ISIHLABELELO 64.

Kumholi wokuhlabelela; Isihlabelelo nguDavidana.

**Y**IZWA, Tixo, izwi lami ekukaleni kwami, u londolozwe ukuphila kwami evusweni lesita.

2 Ma u ngi site ekucebeni kwababi, esixukwini sabasebenza okubi.

3 A benza lu be bukali ulimi lwabo njengenkemba a ba gobisa umcibityelo ukunsala imisebe yabo, i ti amazwi ababayo.

4 Ukucibityela olungileyo be sekusitekeni; ba ya cibityela masinyane, be nga sabi.

5 Ba ya ziqinisa endabeni embi; ba ya kuluma ngokufihla imigibe; ba ti, Ubani o ya ku ba bona na?

6 Ba ya hlola ukonakalisa ba ti; si qedile icebo eli cetyiweyo; futi izibilini zabo bonke, nenhliziyoyenu i julile.

7 Kepa uTixo wo ba cibityela masinyane ngomsebe ba gwazwe ngokuzunywa.

8 Ku ya kuti ba wise ulimi lwabo pezukwabo; bonke aba ba bonayo ba ya kubaleka.

9 Ko ti ba bone bonke abantu, ba shumayele ukwenza kuka Tixo; ba qonde ukwenza kwake.

10 Olungileyo wo jabula kuJehova e tembe kuye; betabe nabo bonke abaqoto ngenhliziyoyenu.

## ISIHLABELELO 65.

Kumholi wokuhlabelela. Isihlabelelo nguDavidana. Igama.

**K**U kuwe, Tixo, ukutula ukudunyi-swa eZioni, ko ti ku hlalwe kuwe ukufunga.

2 Wena o ku zwa ukukuleka, izinhlobo zonke zabantu zi ya kuza kuwe.

3 Izindaba ezimbi zi namandhla kimi; izipambeko zetu wo zi yekela.

4 U busisiwe o m ketayo wena, u m sondeze, a hlale emagumeni ako; so suta ukulunga kwendhlu yako, itempeli lako eli ingewele.

5 Wo si pendula ngokusabekayo eku-lungeni, Tixo, wokusindiswa kwetu; itemba lemikaulo yonke yomhlaba, nelabo aba kude elwandhle.

6 O misa izintaba ngamandhla ake; o hlome ubuqawe.

7 O tulisa inxokozelo yezilwandhle, inxokozelo yamazazi, nomsindo wabantu.

8 Bona a ba hlezi emikaulweni ba yesaba ngeziboniso zako; u yetabisa ukupuma kokusa nokokuhlwa.

9 U hambele emhlabeni, u wu netisile, u wu vundisile kakulu ngomfula ka Tixo o gewele amanzi; u ya kumisela ukudhla kwabo, ngokuba u wu lungisela njalo.

10 U ya puzisa imisele yawo, u bohlise izinhla zawo, u wu tambise ngezihlambi; u ya busisa ukumilisa kwawo.

11 U ya hlobisa umnyaka ngokulunga kwako; imikondo yako i ya tonsa amafuta.

12 I ya tonsa emadhlweni ehlane; zi ti izintaba zambate injabulo.

13 Amadhlalo a yambata izimvu; amatafa a ya sibekelwa amabele; a yetaba, a hlabelele futi.

IZIHLABELELO 66.

Kumholi wokuhlabelela. Igama. Isihlabelelo.

**L**IZWE lonke hubelani ngenjabulo kuTixo.

2 Hlabelelani udumo lwegama lake; ni nike udumo lokubongwa kwake.

3 Yityoni kuTixo, ukuti, U yesabeka kangakanani ekwenzeni kwako! ngobuningi bamandhla ako izita zako zi ya kukulalela ngenkohliso.

4 Izwe lonke li ya kukuleka kuwe, li hlabelele kuwe; li ya kuhlabelela igama lako. Sela.

5 Hambani ni bone imisebenzi ka Tixo; u yesabeka ekwenzeni kwake pezu kwabantwana babantu.

6 Wa guqula ulwandhle lwa ba umhlabati o womileyo; ba wela umfula ngezinyawo, lapo sa jabula kuye.

7 U ya busa ngamandhla ake ku ze ku be pakade; anehlalo ake a ya linda izi-

zwe; abahlubuki a ba yi ku zipakamisa. Sela.

8 Bongani uTixo wetu nina bantu, ni zwakalise izwi lokubongwa kwake.

9 O ya beka imipefumlo yetu ekupileni, enga niki izinyawo zetu ekuzamazameni.

10 Ngokuba wena Tixo u si lingile; u si ewengisisile njengokuwengisiswa kwesiliva.

11 U si ngenisile esihibini; u bekile umtwalo okalweni lwetu.

12 U hambisile abantu pezu kwamakanda etu; sa ya emlilweni nasemanzini; kanti wa si pumisela endaweni e vundileyo.

13 Ngo ngena endhlini yako ngeminkelo etyisiweyo, ngi hlaule kuwe ukufunga kwami,

14 O ku vulekelwe izindebe zami no-ku kulunyeka umlomo wami ekuhlupekeni kwami.

15 Ngo ku nikela iminkelo e tyisiweyo yezinonileyo, namafuta ezinqama; ngi ya kulungisa izinkomo kanye nezimbuzi. Sela.

16 Yizani, ni zwe nonke, nina e ni m esabayo uTixo, ngi ya kulanda loku a kwenzele umpefumlo wami.

17 Nga kala kuye ngomlomo wami; lwa ti udumiso lwa ba pansi kolimi lwami.

18 Uma be ngi naka ukonakala enhliziyweni yami, iNkosi nga i nga ngizwanga:

19 Kantike uTixo u ngi zwile; u lalele kulo izwi lokukuleka kwami.

20 U busisiwe uTixo o nga putisanga ukukuleka kwami, nomusa wake kimi.

IZIHLABELELO 67.

Kumholi wokuhlabelela ngogubu, Isihlabelelo. Igama.

**U**TIXO ma ka be nomusa kiti, a si busise; ma ka kanyise ubuso bake kiti. Sela.

2 Ukuze indhlela yako yaziwe emhlabeni ukusindiswa kwako ezizweni zonke.

3 Ma ba ku bonge abantu, Tixo, ma ba ku bonge abantu bonke.

4 Izizwe ma zi jabule zetabe; ngokuba wena wo dhlula abantu ngokufaneleyo u hole izizwe emhlabeni. Sela.

5 Ma ba ku bonge abantu, Tixo; ma ba ku bonge abantu bonke.

6 Umhlaba wo nika isitelo sawo; uTixo, uTixo wetu wo si busisa.

7 uTixo wo si busisa; imikaulo yonke yomhlaba yo m esaba futi.

ISIHLABELELO 68.

Kumbholi wokuhlabelela nguDavid. Isihlabelelo. Igama.

UTIXO ma ka vuke, ma zi hlakazwe izita zake; ma ba balcke ebusweni baka e ba m zondayo.

2 Njengokuxotywa komusi, wena wo ba xotya; njengokuncibilika kwengeina pambi komlilo, ababi bo citwa pambi kuka Tixo.

3 Kapa abalungileyo ma ba jabule; ma betabe pambi kuka Tixo; ma beqe ugnjabulo.

4 Vumani kuTixo, hlabelelani igama lake; lungiselani yena o hamba e kwela ehlane, negama lake uJa, netabe pambi kwake.

5 uYise wezinkedama, umvikeli wabafelokazi uTixo endhlini yake e ingewe.

6 uTixo u ya hlalisa aba bodwa ngenndhlu; u ya punisela ababotywa emhlabeni; kanti abahlubukayo ba hlezi ezweni elomileyo.

7 Tixo ekupumeni kwako pambi kwabantu, ekuhambeni kwako ehlane; Sela:

8 Umhlaba wa zamazama, izulu la tonisa ngapambi kuka Tixo; iSinai lona la zamazama pambi kuka Tixo, uTixo ka Israeli.

9 Tixo wena wa nisa invula eningi; wa qinisa ifa lako se li pela mandhla.

10 Abapilayo bako ba hlezi kulo; u lungisele abatobekileyo izipo ezilungileyo zako Tixo.

11 iNkosi ya nika izwi, abaleti bendaba ehle ba ibandhla elikulu.

12 Amakosi empi a baleka! a baleka! ku ti isifazana e si hlezi ekaya si yabela impango.

13 Sengati nga ni lele pansi ezigeawini, ni njengamapiko ejuba a sibekelwa isiliva, nezimpape zalo igolide elimpofu.

14 Ekucitweni amakosi pakati kwayo nguye Onamandhla onke, ya ba mhlope njengonqoqane eZalmoni.

15 I yintaba ka Tixo intaba ya seBashane; I yintaba yezicongo intaba ya seBashane.

16 Nina zintaba zezicongo, yini ni belanelane ngomona intaba uTixo a tanda i be isihlalo sake na? nembala uJehova wo hlala ku ze ku be pakade.

17 Izinewele zika Tixo zi yizinkulungwane ezingamashumi amabili, izinkulungwane ezipindiweyo; iNkosi i pakati kwazo endaweni e yingewele e seSinai.

18 Wena wenyukele ngapezulu, u tu-

mbile abatunjiweyo; u tabatele abantu izipo; yebo nabahlubuki ukuze uTixo uJa a hlale kubo.

19 I busisiwe iNkosi e si twalise ngenmihla, e uTixo wokusindiswa kwetu. Sela.

20 U nguTixo wetu, uTixo wezinkululo; futi kuJehova iNkosi ku kona ukupuma ekufeni.

21 Impela uTixo wo coboza ikanda lezita zake, ukakayi olu nezinwele lwa-ke o hamba ezipambekweni zake.

22 iNkosi ya ti, Ngo ba buyisa eBashane, ngo ba buyisa ekujuleni kolw-andhle.

23 Ukuze unyawo lwako lu cwile egazini lezita zako, nalo ulimi lwezinja zako.

24 Ba ya bona izindwendwe zako, Tixo, izindwendwe zako, Tixo wami, Nkosi yami, endaweni e ingewe.

25 Abahlabeleli ba ya hamba nga pambili, emuva aba tyaya ogubwini; pakati izintombi zi beta.

26 Bongani uTixo emabandhleni, iNkosi emtonjeni wa seIsraeli.

27 U kona uBenjamini omncane, nombusi wabo; amakosi abaJuda nebuto labo, amakosi abaZebuloni, amakosi abaNaftali.

28 uTixo wako u misile amandhla ako; qinisa Tixo loku o kwenzele tina.

29 Ngenxa yetempeli lako eJerusalema, amakosi o leta izipo kuwe.

30 Kuza izilo zomhlanga, umhlambi wezinkunzi, nezinkonyana zabantu, zi ziwise pansi ngezinxe nye zesiliva; eita abantu aba tokoza ekulweni.

31 Izikulu zi ya kuza zi vele Egipte; amaKushi a tyetye ukuyisa izandhla zawo kuTixo.

32 Nina mibuso yomhlaba hlabelelani kuTixo; ni tyaye ugubu kuyo iNkosi; Sela.

33 Kuye o kwela pezu kwezulu lezulu la sendulo; bheka u ya nikela izwi lake, izwi eli namandhla.

34 Nikani amandhla kuTixo; ukukazimula kwake ku pezu kwabaIsraeli; amandhla ake a semafwini futi.

35 U yesabeka, Tixo, kuko oku yingewele kwako: uTixo ka Israeli uyena o nika amandhla nokuqina kubantu. U busisiwe uTixo.

ISIHLABELELO 69.

Kumbholi wokuhlabelela pezu kwesimbale; nguDavid.

NGI sindise, Tixo; ngokuba amanzi a ngenile empefumleni wami,

2 Ngi ya ewila obityini olujulileyo, akuko ukusimama: Se ngi ngenile ebudeni bamanzi, i ti imisinga i ya ngi minzisa.

3 Ngi katele ngokukala kwami; umpefumlo wami u ya tya; amehlo ami a ya pela ngokubheka uTixo wami.

4 Abangizondayo ngeze ba vamile ku nezinwele zekanda lami; ba ningi abangiqedayo, ba izita zami ngi nge nacala: loku e ngi nga ku panganga nga se ngi ku buyisela.

5 Tixo u ya bazi ubuula bami, amacala ami a ka fihlakeli kuwe.

6 Aba ku tembayo ma ba nga bi namahloni ngami; Nkosi Jehova wamabandhla; a ba ku funayo ma ba nga hlazeki ngami, Tixo wabaIsraeli.

7 Ngokuba ngi twalile ukujeziswa ngenxa yako; ihlazo li sibekela ubuso bami.

8 Ngi ze ngi be umfokazi kubafo wetu, ongaziwayo nakubantwana baka mame.

9 Ngokuba ukuvutwa ngendhlu yako ku ngi dhlile; futi ukujezisa kwaba ku jezisayo ku ngi wele.

10 Lapo nga be ngi lila, umpefumlo u sekuzileni ukudhla, kwa ku ukujeziswa kimi.

11 Nga faka isaka li be ukwambata kwami; nga be ngi isihlekiso sabo.

12 Abahleziyo esangweni ba kuluma ngami; nga ti nga ba isiqango sezidakwa.

13 Kepa mina ukutandaza kwami kukuwe, Jehova, Tixo, eqinisweni lenkululo yako.

14 Ngi kipe odakeni, ma ngi nga tyoni; ma ngi sindiswe kubo abazondi bami, nasebudeni bamanzi.

15 Ma i nga ngi minzi imisinga yamanzi, ukujula ma ku nga ngi gwinyi, umgodini ma u nga ngi vuleli umlomo wawo.

16 Lalela kimi, Jehova, ngokuba unkululo umusa wako; u penduke kimi ngokobuningi besisa sako.

17 Ma u nga sibekeli ubuso bako wena kuyo ineeke yako; ngokuba ngi ya hlupeka, tyetya u ngi lalele.

18 Sondela kuwo umpefumlo wami, u wu haukele; ngi kulule eziteni zami.

19 Wena u ya kwazi ukujeziswa kwami nezinhloni zami, nehlozo lami; izita zami zi kona pambi kwako zonke.

20 Ukujeziswa ku dabulile inhliziyo yami; ngi ya fa; ngi ya m bheka umuntu woku ngi haukela, kepa akako; na-

ba ngi tokozisayo, kepa a ngi ba fumana.

21 Ba ti ba nika ubuti bu be ukudhla kwami; na sekomeni kwami, ba ngi puzisa umunyu.

22 Itebula labo ma li be isihibe pambi kwabo; nokuhlala ngokutula kwabo, ma ku be umgibe.

23 Amehlo abo ma ka cinywe ukuze ba nga boni; zi ti izinkalo zabo zi zamazame.

24 Tela pezu kwabo intukutelo yako, nolaka lwako olu vutayo ma lu ba fikele.

25 Itanga labo ma li citeke; ma ku nga biko ohlabayo ematenteni abo.

26 Ngokuba ba m zingele o m tyayayo wena; ba ya kuluma ku be ubuhlungu kwabahlatyiweyo bako.

27 Ma wenezele icala pezu kwecala labo; futi ma ba nga ngeni ekulungeni kwako.

28 Ma u ba hlangule enewadini yabapilayo; futi ma ba nga lotywa kanye nabalungileyo.

29 Kepa mina ngi hlupekile, ngi dabukile; ukusindiswa kwako ma ku ngi hlenge, Tixo.

30 Ngo hlabelela igama lika Jehova ugegama; ngo m kulisa ngokubonga.

31 Ko ti ku be kuhle kuJehova ku nenkomo; ku nenkunzi e nezimpondo namasondo ahlukenunzi.

32 Abatobekileyo ba ya kubona loku, ba ya kujabula; ko ti i pile inhliziyo yenu e ni funa uTixo.

33 Ngokuba uJehova u ya ba lalela abakatazekileyo; a ka deli izibotywa zake futi.

34 Ma ku m hlabelele izulu nomhlaba, izilwandhle nazo zonke izilwane ezikasayo pakati kwazo.

35 Ngokuba uJehova wo sindisa iZioni, futi wo yaka imizi ya seJuda; ko ti ba hlale kona, ba be nalo li be ifa.

36 Inzalo yezineeku zake i ya ku dhla ifa lalo; nabo abatanda igama lake bohhlala kulo.

IZIHLABELELO 70.

Kumholi wokuhlabelela nguDavida, ukukumbuzela.

**TIXO**, tyetya uku ngi sindisa, Jehova, Tyetya uku ngi siza.

2 Ma ba be namahloni ba jabe a ba funa umpefumlo wami; ma ba pendulelwe emuva, ba hlazeke a ba tanda ukonakala kwami.

3 Ma ba buyiselwe ku be umvuzo wezinhloni zabo a ba ti, Aha! aha!

4 Ma betabe ba jabule kuwe bonke aba ku funayo; ma ba ti njalo a ba tando ukusindiswa kwako, uTixo ma ka be mkulu.

5 Kepa mina ngi hlupekile, ngi katazekile; ngi tyetyele, Tixo; wena u ngukusiza kwami u inkululo yami, Jehova; u nga libali.

ISIHLABELELO 71.

**J**EHOVA, ngi yetemba kuwe; ma ngi nga bi namahloni ku be ngunapakade.

2 NgI sindise ekulungeni kwako, u ngi punyule; nika indhlebe yako kimi, u ngi sindise.

3 Yiba kimi idwala lokupumula ngi ye kona njalo; u yalezile uku ngi sindisa; ngokuba wena u iwa lami, inqaba yami.

4 Tixo ngi sindise esandhlani somubi, empameni yongalungile neyomhlupi.

5 Ngokuba wena u yitemba lami, Nkosi Jehova: u yitemba lami nasebutyeni bami.

6 NgI be ngi paswa nguwe na sesiswini; wena u be u ngahlulela kwa sematunjini ka mame; ukubongwa kwami ko ba ngawe njalo.

7 NgI isimangaliso kwabaningi; kepa wena u yisipepelo sami esi namandhla.

8 Umlomo wami ma u gewale ukubongwa kwako, nokudunyiswa kwako imihla yonke.

9 U nga ngi lahli ngesikati sobudala; ekupeleni kwamandhla ami u nga ngi shiyi.

10 Ngokuba izita zami zi ya kuluma nga kimi; bona aba qapela umpfumlo wami be hlebelana.

11 Ba ti, uTixo u m shiyile; zingelani ni ma bambe; ngokuba amuko osindisayo.

12 Tixo, u nga bi kude nami, Tixo wami, tyetya uku ngi siza.

13 Abapambeneyo nompumlo wami ma ba jabe, ba qedwe; ma ba mbate ukujeziswa nehlozo aba funa ukonakaliswa kwami.

14 Kepa mina ngi ya kwetemba njalo, ngenezele pezu kokubongwa kwako konke.

15 Umlomo wami wo landisa ukulungwa kwako imihla yonke; nokusindisa kwako, ngokuba a ngi kwazi ukubalwa kwazo.

16 NgI ya kuya emandhlani eNkosi uJehova; ngi bonge ukulunga kwako, okwako ukupela.

17 Tixo u ngi fundisile ku suke ebuntwaneni bami; ku ze ku be namanje, ngi be ngi shumayela inimangaliso yako.

18 Futi ngi ze ngi be mdala ngi be mpunga, Tixo, ma u nga ngi shiyi; ngi ze ngi shumayeke ingalo yako kuso isizukulwane, na kubo bonke abezayo, ubuqawe bako.

19 Futi ukulunga kwako, Tixo ku pakeme kakulu, o kwenzile okukulu; Tixo ubani o njengawe.

20 O ngi bonisile izinkatazo eziningi ezimbi, wo buya u ngi pilise, wo buya u ngi kupule ebudeni bomhlaba.

21 Wena wo bandisa ubukulu bami, wo penduka u ngi duduze.

22 Futi mina ngo ku bonga ngogubu, ngi bonge iqiniso lako, Tixo wami; ngi hlabelele kuwe ngogubu, wena o yingewele ka Israeli.

23 Izindebe zami zi ya memeza ngenjabulo uma ngi hlabelele kuwe, nompumlo wami o u hlauleleyo.

24 Futi ulimi lwami lo kuluma ukulunga kwako imihla yonke; ngokuba ba nezinhloni, ba hlazekile a ba funa ukonakaliswa kwami.

ISIHLABELELO 72.

KuSolomona.

**T**XIXO nika izahlulo zako kuyo inkosi, nokulunga kwako kuyo indodana yenkosi.

2 U ya kwahlula abantu bako ngenqiso, nabahlupekayo ngokwahlula.

3 Izintaba zo leta ukutula kubantu, nemimango ekulungeni.

4 Wo bahlula abahlupekayo babantu; a sindise abantwana babadingayo, a co-boze umhlupi.

5 Ba ya kwesaba li se kona ilanga; na sebusweni benyanga esizukulwaneni na sesizukulwaneni.

6 U ya kwehla njengemvula edhlelweni; na njengezihlambi ezi netisa umhlaba.

7 Ukulunga ko hluma ezinsukwini zake; nokuvama kokutula ku se kona inyanga.

8 U ya kuti a buse ku suke elwandhle ku ze ku be selwandhle; nasemfuleni ku ze ku be semikaulweni yomhlaba.

9 Abahlezi ehlane ba ya kutoba pamli kwake; ko ti izita zake zi kote utuli.

10 Amakosi a seTarshishi neziqingi zo leta umnikelo; Amakosi a seSheba neSeba o zisa izipo.

11 Futi onke amakosi o kotama pambi kwayo; zonke izizwe zo yi konza.

12 Ngokuba yo kulula osweleyo uma e kalela ukusizwa; nompofu naye o nge nakusizwa.

13 Yo haukela odangeleyo nosweleyo; i ya kusindisa imipefumlo yabasweleyo.

14 Yo kulula umpefumlo wabo ekulhutyweni na sekupangweni; ko ti igazi labo li be nenani elikulu emehlwini ayo.

15 Yona i ya kupila, i piwe okwegolide la seSheba; futi ko tandazwa ngenxa yayo ngezikati zonke; imihla yonke yo bongwa.

16 Ko ba kona ukuvama kuka kolweni emhlabeni esiqongeni sezintaba; ukudhla kwalo ko hatyazela njengeLebanoni; ko ti abasemzini ba kahlele njengotyani bomhlaba.

17 Igama layo li ya kuhlala pakade, igama layo li ya kuhlala li se kona ilanga; ko ti abantu ba zi busise ngayo; izizwe zonke zo yi bonga.

18 U ya busiswa uJehova uTixo, uTixo wabaIsraeli, o yenza inimangaliso yena yedwa.

19 Ma li busiswe igama lake eli kazimulayo ku ze ku be pakade; ma u gwale udumo lwayo umhlaba wonke; Amenini, noAmeni.

20 Imitandazo ka Davida indodana ka Jese se i pilile.

### ISIHLABELELO 73.

Isihlabelelo sika Asafa.

**N**EMBALA uTixo u lungile kuIsraeli, ku bona abamhlope enhliziyweni.

2 Kepa mina, izinyawo zami zi be zi citty kuwa; izinyatelo zami zi be zi ponu kutyelela.

3 Ngokuba nga ba nomona ngabazidhlayo, nga bona ukutula kwababi.

4 Ngokuba akuko ukueindezelwa ekufeni kwabo, kanti umzimba wabo u kulupele.

5 Abako ekukatazekeni kwabantu, a ba tyaywa kanye nabantu.

6 Ngako ukuzidhla ku ya ba gaxa; ukupanga ku ya bembesa njengengubo.

7 Amehlo abo a pumile ngamafuta; ba dhlufile ukuzindhla kwenhliziyo.

8 Ba ya hleka, ba kulume ngokuhlupa kabi, ba kuluma ngokukukumala.

9 Beyisa izulu ngomlomo wabo, lu ti ulimi lwabo lu hambela emhlabeni.

10 Ngako abantu bake ba buyiselwa lapa; a ti amanzi a gweleyo a kamelwe bona.

11 Bona ba ti, uTixo u yazi kanjani? Ku kona ukwazi kuye O pezu konke na?

12 Bheka, laba ba ngababi, ba hlezi kahle njalo, ba yandisa imfuyo.

13 Impela inhliziyu yami ngi ewebisele ize, ngo hlanza izandhla zami ngobumhlope.

14 Ngokuba ngi tyayiwe imihla yonke, ukulungiswa kwami kwa ku seku-seni.

15 Uma ngi te ngi ya kushumayela njenga loko, bheka ngi zo kohlisa isizukulwane sabantu bako.

16 Nxa ngi cabanga ukwazi loku, kwa ku nzima emehlweni ami.

17 Nga za nga ngena endhlini engewele ka Tixo, nga qonda ukupela kwabo.

18 Impela u ba beke ebutyelezini, u ba wisile ekubujisweni.

19 Yeka ba sekucitekeni ngomzuzwananya; ba ya buba ngokubujiswa okuzumayo.

20 Njengepupo emva kokupapama, Nkosi, ekuvukeni kwako wo dela umfanekiso wabo.

21 Ku njalo nga be ngi katazeka enhliziyweni yami; nga hlabeka ezinsweni zami.

22 Futi nga ba isipukupuku, be ngi ngazi luto; nga ba isilwane kuwe.

23 Kepa mina ngi kuwe njalo; u ngi bambile ngesandhla sami sokunene.

24 Wo ngi hola ngokuqondisa kwako, ko ti emva u ngamikele ekukazimuleni.

25 Ngini nobani ezulwini na? uma ngi nawe a ngi funi luto emhlabeni.

26 I ya pela inyama yami nenhliziyo yami; kepa uTixo u idwala lenhliziyo yami, u isabelo sami ku ze ku be pakade.

27 Ngokuba bheka, bona aba kude nawe ba ya kububa; u ba nqumile bonke abapingayo ngokudeda kuwe.

28 Kepa mina ku ngi lungele ukusondela kuTixo; ngi beke isipepelo sami kuyo iNkosi uJehova; ukuze ngi shumayele izenzo zako zonke.

### ISIHLABELELO 74.

Isiqondiso sika Asafa.

**T**IXO u si deeleni njalo na? ulaka lwako lu ya kutunqela izimvu zedhlelo lako na?



2 Kumbula ibandhla lako o li zuzileyo endulo; u kululile u ti lwefa lako; lentaba iZioni o hlezi kuyo wena.

3 Ma u pakamise izinyawo zako kuzo izincitakalo ezi hlezi njalo; kuko konke isita e si konakalisileyo endaweni e ingewele.

4 Izita zako zi ya bodhla pakati kwezindawo zako zokuhlangana; ba ya beka izibonakaliso zabo zi nie.

5 Umuntu waziswa njengaloku e be pakamisele amazembe pezu kwemiti ehlangeneyo.

6 Kepa kaloku ba tyaya kanye okubaziweyo kwalo ngamazembe nezando.

7 Ba nikile emlilweni indawo yako e ingewele, ba ncolisile indhlu yegama lako ngoku yi wisa emhlabatini.

8 Ba ti ehhliziyweni yabo, ma si ba hluphe kanye; ba tyisile zonke izindawo ezimisiweyo zokuhlangana zika Tixo emhlabeni.

9 A si boni izibonakaliso zetu, a ka seko umazisi, amuko kiti o waziyo ukuba ko za ku be nini.

10 Tixo isita si ya kujezisa ku ze ku be nini na? umzondi wo dela igama lako ku ze ku be pakade na?

11 U finyezeleni isandhla sako esokunene sako na? si suse esifubeni sako, u qede.

12 Kepa uTixo u yinkosi yami kwa pakade wenza ukusinda pakati komhlaba.

13 Wena wa hlukanisa ulwandhle ngamandhla ako; wa fohloza izinhloko zezinhlwati emanzini.

14 Wa coboza izinhloko zomkomo, wa wu nikela u be ukndhla kubantu aba sehlane.

15 Wa coboza umtombo nomsinga, wa yomisa imifula e hamba njalo.

16 Usuku olwako, nobusuku obako, wena wenzile ukukanya nelanga.

17 U bekile imikaulo yonke yomhlaba, u benzile ihlobo nobusika.

18 Kumbula loku, umzondi u jezisile, Jehova; futi abantu aba nobuula ba fe nyisile igama lako.

19 U nga niki umpfumlo wejuba lako ebandhleni lababi; ibandhla labahlupekayo bako u nga li kohlwa njalo.

20 Ma u nake uvumelwano; ngokuba izindawo ezimiyama zomhlaba zi gwele izindhlu zokupanga.

21 Ohlutyiweyo ma ka nga buyi ejabili; ohlupekayo nodingayo ma ba bongwe igama lako.

22 Vuka, Jehova u tete indaba yako; u kumbule ukuzondwa kwako isiula imihla yonke.

23 U nga kohlwa izwi lezita zako; inxokozelo yabavukele bako i yenyukela njalo.

#### ISIHLABELELO 75.

Kumholi wokuhlabelela; u nga citi; Isihlabelelo sika Asafa. Igama.

**S**I ya kubonga wena, Tixo, Si ya kubonga; igama lako, li seduze lona; imimangaliso yako i ya shumayela kona.

2 Uma ngamkela isikati esimisiweyo, ngi ya kwahlula ngokulunga.

3 Ku ncibilikile, umhlaba nabahlezi kuwo; ngi ya linganisa izinsika zawo. Sela.

4 Nga ti kubo abazidhlayo, Ni nga zidhli; na kwabonakalisayo, Ni nga pakamisi upondo.

5 Ni nga pakamisi pezulu upondo lwenunu, ni nga kulumi ngentamo yokungahlonipi.

6 Ngokuba ukupakanyiswa, a ku veli empumalanga na sentyonalanga na sehlane.

7 Kepa uTixo u ngumahluli, lo u ya mehlisa, lo m pakamise.

8 Ngokuba umkele u sesandhleni sika Jehova, li ti iwaini li ya bila; u gwele elixubaniisiweyo; yena u ya tela kuwo kodwa inhlesi yawo, abonakalisayo bonke bomhlaba ba ya kuyincela ba yi puze.

9 Kepa mina ngi ya kuyilandelega ku ze ku be pakade, ngi hlabelele kuTixo ka Jakobe.

10 Izimpondo zonke zabonakalisayo ngo zi nquma; kanti izimpondo zolungileyo zo pakanyiswa.

#### ISIHLABELELO 76.

Kumholi wokuhlabelela pezu kwogubu, Isihlabelelo sika Asafa. Igama.

**U**TIXO u yaziwa eJuda; igama lake likulu kwa Israeli.

2 Futi itente lake li kona eSalemi, nehhlalo yake eZioni.

3 Lapo wa fehleza kona izinyazi zomcibityelo, nesihlangu, nenkemba, nokulwa. Sela.

4 U ya kazimula wena, u ya babazeka ku nezintaba zokupanga.

5 Amaqawe ehhliziyi a pangwiwe, a lele ubutongo bawo; a ti a ka fumana ngamazembe izandhla zawo; onke amadoda a namandhla.

6 Ngokukuza kwako Tixo ka Jakobe ku ya laliswa ubutongo incwele kanye nehashi.

7 Wena, wena u yesabeka; ubani u ya kuma ebusweni bako ngesikati solaka lwaka na?

8 Wezwakalisa ukwahlula ku vele ezulwini; umhlaba wesaba wa tula.

9 Ekuvukeleni kuka Tixo ukwahlula, ukusindisa bonke abahlupekayo bomhlaba. Sela.

10 Ngokuba intukutelo yomuntu yo ku bonga; insalo yentukutelo wo yi faka.

11 Fungani, ni koke kuJehova uTixo wenu; bonke a ba m zungezayo ma ba lete umnikelo kuye o sabekayo.

12 Wo nquma umoya wezikulu, u yesabeka kuwo amakosi omhlaba.

### ISIHLABELELO 77.

Kumholi wokuhlabelela, kuJedutuni, Isihlabelelo sika Asafa.

**N**GI ya kukala kuTixo ngezwi lami, kuTixo ngezwi lami; yena wo lalela kimi.

2 Ngosuku lwenhlupeko yami nga funa iNkosi; isandhla sami selulwa ebusuku, si nga pumuli; umpefumlo wami wala ukududuzwa.

3 Nga kumbula uTixo nga lingoza; nga zindhla, wa ti umoya wami wa hluleka. Sela.

4 Wena u ya bamba amehlo ami a lindsayo; ngi ya katazeka ukuze ngi nga kulumi.

5 Ngizindhlile ngezinsuku zamandulo ngeminyaka yapakade.

6 Ngizya kumbula ukuhlabelela kwamibususuku; ngizya kuluma nenhliziyoyami, nomoya wami u ya hlola.

7 Po iNkosi yo dela ku ze ku be pakade na? a i yi ku pinda ukuba nomusa na?

8 Umusa wake u pelile ku be ngunapakade na? isitembiso sake si putile ngesizukulwane nesizukulwane na?

9 uTixo u kohliwe ukuba nomusa na? u valele isisa sake ngolaka na? Sela.

10 Nga se ngi ti, Loku ku ngukugula kwami; iminyaka yobunene bOPakami-leyo rgo yi kumbula.

11 Ngo kumbula izezo zika Jehova, ehe, ngo kumbula iminangaliso yako ya sendulo.

12 Ngizya ku zindhla na ngo kwenza kwako konke, ngi kulume ngemisebenzi yako.

13 Indhlela yako Tixo i sebungwele- ni, ubani o nguTixo omkulu njengo- Tixo na?

14 Wena u nguTixo o yenza iminangaliso; u ya wazisa amandhla ako ezizweni.

15 U hlaulele ngengalo yako abantu bako, abantwana baka Jakobe noJosefa. Sela.

16 Amanzi a ku bona, Tixo, amanzi a ku bona, a tutumela, yebo amaza a zamazama.

17 Amafu a tela amanzi; amafu a nikelazwi; ya ti imisebe yako ya hambela.

18 Izwi lodumo lwako la ba sesivunguvungwini; izinyazi za kanyisa umhlaba, izwe la tutumela, la zamazama.

19 Indhlela yako i selwandhle, nomkondo wako u semanzini amaningi; izindhlela zako a zaziwa zona.

20 Wa hola abantu bako njengezimvu ngesandhla sika Mosi noAroni.

### ISIHLABELELO 78.

Isiqondiso sika Asafa.

**L**ALELANI kuwo umteto wami bantubami; ni nikelazwi indhlebe kuwo amazwi onlomo wami.

2 Ngo kamisa unlomo wami ngesiga; ngizshumayeze uku ni qandelisa kwandulo.

3 E si ku zwileyo, e si kwaziyo, aba si tyela kona obaba.

4 A si yi kukufihla kubantwana babo, si shumayeze kuso isizukulwane esilandelayo izibongo zika Jehova, nandhla ake, neminangaliso yake a yenzileyo.

5 Yena wa misa ubufakazi eJakobe, wa beka umteto eIsraeli, o wa yalezela obaba betu, wona ukuze ba kwazise kubantwana babo.

6 Ukuba isizukulwane esi landelayo si kwazi, si ti abantwana a ba ya kuzalwa; ba suke ba shumayeze abantwana babo kona!

7 Ba beke itemba labo kuTixo, ba nga kohlwa izezo zika Tixo, ba geine izimemezelo zake;

8 Ba nga bi njengoyise babo isizukulwane esipambekayo, esihlubukayo, isizukulwane e si nga qondisanga ihliziyoyaso, futi umoya waso a u kolisanga kuTixo.

9 Abantwana baka Efraimi be gobisa be eibityela umcibityelo, ba fulatela ngosuku lokulwa.

10 A ba geinanga uvumelwano luka Tixo, ba nqaba ukulhamba emtetweni wake.

11 Ba ti ba kohlwa izenzo zake nemimangaliso yake a be ba bonisile yona.

12 Wa yenza imimangaliso ezweni la sEgipite, emhlabatini wa seZoani.

13 Wa lwahlukanisa ulwandhle, wa ba welisa; wa misa amanzi njengesiqongo.

14 Wa ba hola emini ngefu, na sebusuku bonke ngokukanya komlilo.

15 Wa dabula idwala ehlane, wa ba puzisa njengasekujuleni kwamanzi amaningi.

16 Wa pumisa imitombo ehambayo eweni, wehlisa amanzi njengomfula.

17 Ba pinda futi ukona kuye, ngokuhlubuka kOpakamileyo ehlane.

18 Ba m linga uTixo ngenhliziyo yabo, ngokucela ukudhla kwenkanuko yabo.

19 Ba kuluma ngokupambau noTixo; ba ti, uTixo a nga lungisa itebula ehlane na?

20 Bheka wa tyaya idwala, amanzi a puma, nemifula ya nponipoza; a nga nika ukudhla nako na? a nga lungisela abantu bake inyama na?

21 Ngako uJehova wezwa, wa tukutela; kwa ti umlilo wa vuta eJakobe, nolaka lwa vuka eIsraeli.

22 Ngokuba a ba kolwanga uTixo, be nga tembi na sekusindiseni kwake.

23 Ngokuba wa be e yalezile amafu ngapezulu e vulile iminyango yezulu.

24 Wa misa pezu kwabo imana lokudhliwa; wa ba nika ukudhla kwezulu.

25 Umuntu wa dhla ukudhla kwezikulu; wa ba tumela ukudhla ukuze ba sute.

26 Wa pumisa umoya wa sempumalanga ezulwini; wa ngenisa nomoya wasezingizimu ngamandhla ake.

27 Wa misa pezu kwabo inyama nje-  
ngotuli; nezinyoni ezi namapiko njenge-  
sihlabati solwandhle.

28 Wa zehlisela ngapakati kwekamu labo, ekuzungezeni kwenhlalo yake.

29 Njalo ba dhla besuta kakulu; ngokuba wa ba zisela a ba ku kanukayo.

30 A ba dedanga ezinkanukweni zabo; kepa ukudhla ku se semlonjeni wabo,

31 Ulaka luka Tixo lwa ba fikela, wa bubisa iziqwaga zabo, wa wisa pansi izinsizwa za seIsraeli.

32 Ku loku konke bona futi, be nga kolwa emisebenzini e mangalisayo yake.

33 Ngako ba qedela izinsuku zabo ezeni, neminyaka yabo ngokwetuka.

34 Nxa e ba bulala, ba buya ba m funa, ba pendukela kuTixo.

35 Ba kumbula ukuba uTixo u yidwala labo; uTixo opakamileyo u ngumkululi wabo.

36 Noko ba m kohlisa ngezindebe zabo; ba qamba amanga kuye ngolimi lwabo.

37 Ngokuba inhliziyo yabo a i manga kahle kuye; futi a ba qinanga esivumelwaneni sake.

38 Kepa yena e haukela wa yekela ukona kwabo, a ba buyisanga; wa vama ukubuyisa ulaka lwake, wa e nga vuseli intukutelo evutayo yonke yake.

39 Ngokuba wa e kumbula ukuba ba inyama; umoya odhlulayo, u nga buyi.

40 Kaniingi kangaka ba m hlubuka ehlane, ba m tukutela obala.

41 Ba buya ba m linga uTixo, ba m fundekela Oyingewele ka Israeli.

42 A ba kumbulanga isandhla sake, ngomhla o wa ba kulula ngawo eziteni.

43 O wa beka ngawo iziboniso zake Egipite, nemimangaliso yake emhlabatini wa seZoani.

44 Wa pendula imifula yoko ya ba igazi; namanzi a hambayo abo ukuze ba nga puzi.

45 Wa tumela pakati kwabo izibawu e za ba dhla; nezindhlandhla e za ba bubisayo.

46 Wa nikela izitelo zabo esikonyaneni, nenzuzo yabo ezinkumbini.

47 Wa cita izinwazi zabo ngesicoto, namakiwane abo neqwa.

48 Wa nikela isicoto izilwane zabo, nezimvu zabo ezinyazini.

49 Wa tuma pakati kwabo ukuvuta kolaka lwake, nentukutelo, nokujama, neneingo, ngokutuma izitunywa zobubi.

50 Wa lungisela ulaka lwake indhlela; a ka gohlelanga umpefumlo wabo ekufeni; kanti wa nikela ukupila kwabo ekufeni.

51 Wa tyaya amazibulo onke a sEgipite; ukuqala kwamandhla abo ematennteni aka Hamu.

52 Kepa wa pumisa abantu bake nje-  
ngezimvu; wa ba kapa ehlane njengomhlabi.

53 Wa ba hola ngokutembeka njengokuba a betukanga, kanti ulwandhle lwa sibekela izita zabo.

54 Wa ba zisa emkaulweni wendawo yake e ingewele, entabeni le, e si be si yi zuzile isandhla sokunene sake.

55 Wa xoty'a izizwe ebusweni babo; waabela ifa ngentambo yokulinganisa; wa hlalisa imindeni ka Israeli emateni azo.

56 Kepa ba m linga, ba m cunula uTixo opakamileyo, ba be be nga gcini iziyalelo zake.

57 Ba buya, ba shinga njengoyise babo; ba penduka njengomecibityelo okohlisayo.

58 Ba m tukutelisa ngezindawo zabo zokuhlaba ezipakamileyo; ba m cunula ngezitombe zabo ezibaziweyo.

59 uTixo wezwa loku wa tukutela, wa nengwa uIsraeli lokulu.

60 Lapo wa shiya idokodo ya seShilo, intente a be li misile kubantu.

61 Wa nikela amandhla ake ekutunjweni, nokazimulo yake esandhlени sezita.

62 Futi wa nikezela abantu bake enkembeni, wa e tukutele ngefa lake.

63 Umlilo wa dhla amakehla abo; a zi sinelwanga izintombi zawo.

64 Abakonzi babo ba wiswa ngenkeniba; a ba lilanga abafelokazi babo.

65 Lapo iNkosi ya vuka njengoleleyo; njengeqawe eli banga umsindo ngenxa yewaini.

66 Ya ti ya tyaya izita zake zi muke; ya zi nikela ehlanzweni elinjalo.

67 Futi ya dela itenti lika Josefa, nomdeni ka Efraimi a i wu ketanga.

68 Kodwa ya keta umdeni ka Juda, intaba iZioni e ya yi tandayo.

69 Yaka oku yingewele kwayo njengendawo epakamileyo, njengomhlaba e wu miseleyo ku ze ku be pakade.

70 Ya m keta uDavida imeku yayo, ya m tabata esibayeni sezimvu.

71 E sa lunda izimvu ezanyisayo; ya m leta a funze abantu bayo eJakobe nefa layo eIsraeli.

72 Njalo wa balusa njengobuqoto benhliziyo yake; wa ba hola ngokuqondisa kwezandhla zake.

IZIHLABELELO 79.

**T**XISO izizwe zi ngenile efeni lako, zi neolisile itempeli eli yingewele lako, zenzile iJerusalema li be incitakalo.

2 Zi nikile izidunibu zezinceku zako zi be ukudhla kwezinyoni zezulu, inyama yabalungileyo bako kuzo izilo zomhlaba.

3 Igazi labo, zi li palazile njengamanzi la zungeza iJerusalema; amuko o ba mbelayo.

4 Si ze si be ihlazo kwabakelene nati, isihlekiso si deliwe aba si haqileyo.

5 Ko ze ku be nini, Jehova, u si tukutelele ko ze ku be pakade na? umona wako u ya kutya njengomlilo na?

6 Telela intukutelo yako evutayo pezu kwezizwe e zi nga kwaziyo; pezu kwe-mibuso e nga li bizanga igama lako.

7 Ngokuba zi dhlile uJakobe, zi citile indhlu yake.

8 Ma u nga kumbuli nga kitina ukungalungi kokusanduleleyo; ububele bako ma bu hambe pambili kwetu masinyane, ngokuba si katazekile kakulu.

9 Si size Tixo wokusindisa kwetu, ngenxa yokuzwakala kodumo lwegama lako; u si kulule, u yekele izono zetu ngenxa yegama lako.

10 Yini ukuba izizwe zi tyo, ukuti, uTixo wabo u pi na? u ya kwaziwa kuzo izizwe emehlweni etu ngokupindisela igazi lezinceku zako e li palaziweyo.

11 Ukulingoza kombotywa ma ku ze ebusweni bako; ngokobukulu bengalo yako ma u ba salise aba miselwe ukufa.

12 U buyisele kwabakelene nati esifubeni sabo kakombisa ukujaba, aba ku jabisa ngako Nkosi.

13 Ku ya kuti tina abantu bako, izimvu zokwalusa kwako, si ku bonge njalo ngezizukulwane nezizukulwane, si shumayele izibongo zako.

IZIHLABELELO 80.

Kumholi wokuhlabelela pezu kwesimbale, Igama lokuqondisa. Isihlabelelo sika Asafa.

**M**A u nike indhlebe wena Malusi wa kwa Israeli, o hola uJosefa njengezimvu; O hlala pakati kwamakerubi, kazimula.

2 Ebusweni buka Efraimi, noBenjaminini, noManasa, ma u vusele amandhla ako, u velele ukusindiswa kwetu.

3 Si buyise Tixo, u kanyise ubuso bako, si ya kusindiswa.

4 Jehova, Tixo wamabandhla, ko za ku be nini u tunqa ekutandazeni kwabantu bako na?

5 U ba dhlisa isinkwa sezinyembezi; u ba phuzise izinyembezi ngomkele, omkulu.

6 U senze si be impikiso kwabakelene nati; abazondi betu ba hleka pakati kwabo.

7 Si buyise Tixo wamabandhla, u kanyise ubuso bako; ko ti si sindiswe.

8 Wa si sipula isinwazi Egipite; wa xoty'a izizwe, wa si tyala.

9 Wa si lungisela, wa pandisisa impande yaso, sa ti sa gawalisa izwe.

10 Izintaba za sibekelwa itunzi laso; namagatya aso a sibekela amasedare adepileyo.

11 Sa tuma amahlahla awo a finyelele elwandhle, namahlumela aso kuwo umfula.

12 Ku ngani ukuba u citile izindonga zaso, ukuze bonke aba dhlula endhleleni ba si hlutule na?

13 Ingulube yehlati i ya si hlipiza, nezilwane zomhlaba zi si qwate.

14 Ma u buye Tixo wamabandhla, buka u sezulwini, u bone u size lesisizwazi.

15 Nesilimo e si tyaliwe isandhla sokunene sako, u be pezu komtwana o ziketel'eyena.

16 Si tyiswe umlilo, si nqunyiwe; ba ya kububa ngokujama kobuso bako.

17 Isandhla sako ma si be pezu komuntu wesandhla sokunene sako, pezu kwendodana yomuntu o ziketel'eyona.

18 Njalo a si yi kusuka emuva kwako: si pilise, si ya kubiza igama lako.

19 Jehova, Tixo wamabandhla, si buyise, u kanyise ubuso bako; si ya kusindiswa.

IZIHLABELELO 81.

Kumholi wokuhlabelela pezu kogubu ngu Asafa.

**H**LABELELANI kuTixo amandhla etu; ni hube ngokwetaba kuTixo ka Jakobe.

2 Tatani isihlabelelo, ni lete ugubu, noniqangi omnandi negenkhla.

3 Kalisani itilongo ngenyanga etweseyo, na' ngenyanga ehlangeneyo, ngosuku lomikosi wetu.

4 Ngokuba loku kwa be ku isimiso kuIsraeli, nesahlulelo sika Tixo ka Jakobe.

5 Wa beka isiyalezo eJosefa ekupumeni kwake ezweni la sEgipite; ngezwa ulimi e nga be ngi nga lwazi.

6 Nga susa ihlombe lake emtwalweni, izandhla zake za deda embizeni.

7 Wena wa biza encingweni, nga ti nga ku kulula, nga ku pendula ngi sekusitekeni kodumo; nga ku linga emanzini a seMeriba. Sela.

8 Yizwani bantu bami, ngo ti ngi qinisele kuwe, Israeli, uma u lalele kimi.

9 Ma ku nga bi ko kuwe utixo o umfokazi; u nga kotami kuye utixo wezizwe.

10 Mina ngi nguJehova uTixo wako o

ku kupulile ezweni la sEgipite; kamisa umlomo wako kakulu, ngi wu gawalise.

11 Kepa abantu bami a bezwanga, uIsraeli wa e nga ngi vumi.

12 Nga se ngi ba nikela ekunqaleni kwenhliziyi yabo; ba hamba ngamacebo abo.

13 Uma abantu bami ba be lalele kimi, uma uIsraeli wa be e hambile ezindhleleni zami;

14 Nga ngi ya kutobisa abazondi babo masinyane, ngi buyisele isandhla sami eziteni zabo.

15 Abazondi baka Jehova ba be ba ya kutela kuye; ukuze isikati sabo si me njalo.

16 Wa be ya ku ba funza ngobunono bokolweni; nga be ngi ku sutisile ngezinyosi za seweni.

IZIHLABELELO 82.

Isihlabelelo sika Asafa.

**U**TIXO u yema ehlanganisweni ka Tixo, u yahlulela pakati kotixo.

2 Ko ze ku be nini, nahlulela ngokubi, namkele ubuso bababi na?

3 Yahlulani umdingi nenkedama; ni lungisele o sosizini nompofu.

4 Kululani umdindi nohlutyiweyo, ni ba sindise esandhleni sababi.

5 A bazi, a ba qiki; ba hamba ebumnyameni; izisekelo zonke zomhlaba zi ya zamazama.

6 Ngi te, Ni ngotixo nina, ni ngabantwana bOpakamileyo nina nonke.

7 Kanti ni ya kufa njengabantu, ni we njengomunye wezikulu.

8 Vuka Tixo wahlule izwe, ngokuba wena u ya zuza ifa lezizwe zonke.

IZIHLABELELO 83.

Igama. Isihlabelelo sika Asafa.

**T**IXO u nga tuli, u nga zituleli, u nga hlali Tixo.

2 Ngokuba bheka izita zako zi ya xokozela; nabazondi bako ba pakamisa ikanda.

3 Ba ya ceba ngobuqili ngabantu bako; ba yenza icebo ngabo abasitiweyo bako.

4 Ba ti, Zanini si ba nyamalalise, ba nga bi be sa ba isizwe; ukuze igama lika Israeli li nga be li sa kulunywa.

5 Ngokuba benze icebo ngenhliziyi; benza uvumelwano ngawe.

6 Ukuti amatente a seEdomi na se-Ishmaeli; iMoabi namaHagari.

7 iGebali, neAmoni, neAmaleki, iFilsti, kauye nabahleziyo eTire.

8 NeAshuri futi li hlangene nabo; ba be ingalo kubantwana baka Loti. Sela.

9 Yenza ku bona njengokwenziwa ku-Midiani, na kuSisera na kuJabini, emifuleni iKishoni.

10 Ba citwa eEndori, ba be umquba emhlabeni.

11 Beka izikulu zabo zi be njengoOrebi, na njengoZebi; nabaxotyweyo bonke babo njengoZeba na njengoZal-muna.

12 A ba ti, Ma si zi bambele izindhlu zika Tixo.

13 Tixo wami ba beke ba be njengamakoba, njengeziqo pambi komoya.

14 Njengomlilo u tyisa ihlali, na njengelangabi li tyisa izintaba.

15 Njala ma u ba landele ngesipepo sako; u betuse ngesivungu sako.

16 Gewalisa ubuso babo ngamahloni, ukuze ba fune igama lako Jehova.

17 Ma ba hlazeke, ba dumale ku ze ku be pakade; ma ba jabe, ba bube.

18 Ukuze bazi ukuba wena o gama lako li nguJehova u wedwa, Opakamileyo pezu komhlaba wonke.

#### IZIHLABELELO 84.

Kumholi wokuhlabelela pezu kogubu; kuwo amadodana ka Kora, Isihlabelelo.

**A**TANDEKA kangaka amatente ako Jehova wamabandhla!

2 Umpefumlo wami u ya fisa; yebo u ya nxanela amagama aka Jehova; inhliziyoyami nenyama yami i ya huba ngokwetaba kuTixo ohleziyo.

3 Nayo inyoni i fumene indhlu, nenkonjane isihleke sayo, lapo i nga beka kona amazinyane ayo, e si ngamalati ako, Jehova wamabandhla, iNkosi yami, uTixo wami.

4 Ba ya busiswa a ba hlezi endhlini yako; ba ya kuhlala be bongwa wena. Sela.

5 U ya busiswa umuntu omandhla ake e kuwe, bona abandhlelelake zake zi sezi-nhliziyweni zabo.

6 Aba dabula imfunda yokukala ba yenza i be umtombo; imvula yokuqala i ya yi sibekela ngezibusiso.

7 Ba ya hamba ngamandhla na ngamandhla, ko ba ilomuntu a bonakale eZioni pambi kuka Tixo.

8 Jehova Tixo wamabandhla, Yizwa umtandazo wami; u lalale Tixo ka Jakobe. Sela.

9 Bheka Tixo isihlangu setu, u nake ubuso bogcotyiweyo wako.

10 Ngokuba usuku emagumeni ako luhle ku nezi inkulungwane; ngi ya keta ukulinda emgulugulwini wendhlu ka Tixo wami, ku nokuhlala ematenteni obubi.

11 Ngokuba uJehova uTixo u yilanga nesihlangu; uJehova wo nika umusa nodumo; a ka yi kugodhla okulungileyo kuye o hamba ngobuqoto.

12 Jehova Tixo wamabandhla, u ya busiswa umuntu o temba kuwe.

#### IZIHLABELELO 85.

Kumholi wokuhlabelela kuwo amadodana ka Kora, Isihlabelelo.

**J**EHOVA wa u nomusa kulo izwe lako; u buyisile ukutunjwa kuka Jakobe.

2 U susile icala labantu bako; u sibekele ukona konke kwabo. Sela.

3 U susile yonke intukutelo yako; u buyile kuko ukuvuta kolaka lwako.

4 Si pendule Tixo wokusindiswa kwetu; u yeke ukucunukala kwako ngati.

5 Wo tukutelelana nati ku ze ku be pakade na? wo jobelela ulaka lwako ezizukulwaneni nezizukulwane na?

6 A u yi kubuya, u si pilise, ukuze abantu bako ba jabule kuwe na?

7 Si bonise umusa wako Jehova, u si nike inkululo yako.

8 Ma ngi zwe ukuba uTixo uJehova u ya kukulumani; ngokuba u ya kukuluma ukutula kubantu bake, na kubo abakolwayo bake; kepa ma ba nga buyeli ebuwuleni.

9 Impela inkululo yake i seduze nabo aba m esabayo; ukuze udumo lu hlale ezweni letu.

10 Ku hlangene umusa neqiniso; kwangene ukulunga nokutula.

11 Iqiniso li ya kuhluma emhlabeni; ko ti ukulunga ku buke ku sezulwini.

12 Futi uJehova wo nika okulungileyo; nezwe letu lo nika isitelo salo.

13 Ukulunga ko hamba pambi kwake; ku si beke endhleleni yezinyatelo zake.

#### IZIHLABELELO 86.

Umtandazo ka Davida.

**B**EKELA indhlebe yako, Jehova, u ngi lalale; ngokuba ngi mpofu ngi ngohlupekayo.

2 Londolozwa umpefumlo wami ngokuba ngi ngokolwayo mina; sindisa ineeke yako e temba kuwe wena Tixo.

3 Yiba nomusa kimi Nkosi; ngokuba ngi ya kala kuwe izisuku zonke.

4 Jabulisa umpefumlo wenceku yako ; ngokuba ngi ya pakamisa umpefumlo wami kuwe, Nkosi.

5 Ngokuba wena Nkosi u lungile, u ngoyekelayo ; u neningi lomusa kubo bonke a ba ku bizayo.

6 Nikela indhlebe emtandazweni wami Jehova ; u lalele kulo izwi lokukuleka kwami.

7 Ngosuku lokuhlupeka ngo ku biza ; ngokuba wo ngi pendula.

8 Amuko o njengawe pakati kotixo, Nkosi ; futi akuko o ku njengokwenza kwako.

9 Izizwe zonke o zenzileyo wena, zi ya kuza, zi kuleke ebusweni bako, Nkosi ; zi dumise igama lako.

10 Ngokuba wena mkulu ; wenza imimangaliso wena wedwa Tixo.

11 Ngi fundise indhlela yako, Jehova ; ngi hambe eqiniseni lako ; Yenza ihliziyoyami i benye ukulesaba igama lako.

12 Ngo ku bonga, Nkosi, Tixo, ngenhliziyoyonke ; ngi dumise igama lako ku ze ku be pakade.

13 Ngokuba umusa wako mkulu kimi ; u kululile umpefumlo wami kulo isheoli eli sezansi.

14 Tixo, abazidhlayo ba vukile pezu kwami, nokubutana kwabanonya ku funile umpefumlo wami ; bona a ba ku bekanga wena pambi kwabo.

15 Kefa wena, Nkosi, u nguTixo o nobubele, o nobunene ; u puza ukutukutela, u neningi lomusa neqiniso.

16 Pendukela kimi, u be nobunene kimi ; u nike amandhla ako kuyo inceku yako, u sindise indodana yencekukazi yako.

17 Yenzela mina isiboniso esilungileyo, ukuze aba ngi zodayo ba si bone, ba jabe ; ngokuba wena, Jehova, u ngi sizile.

ISIHLABELELO 87.

Kuwo amadodana aka Kora, Ishlabelelo, Igama.

**I**SISEKELO sake si sezintabeni ezi ingewele.

2 uJehova u ya tanda amasango a seZioni ngapezu kwezindhlu zonke za seJakobe.

3 Okudumileyo ku ya shunyayelwa ngawe, muzi ka Tixo. Sela.

4 Ngo kumbula uRahabi neBabulona kubo uba ngaziyo ; bheka iFilistia, neTire, neKushi ; lomuntu wa zalwa kona.

5 Na ngeZioni ku ya kutiwa, Lomuntu, na lomuntu wa zalwa pakati kwalo ; ko ti, Opakamileyo a li mise.

6 uJehova wo bala ekulobeni abantu, ukuba lomuntu wa zalwa kona. Sela.

7 Abahlabeleli kanye naba tyaya amagenkhle bo ba kona ; imitombo yonke yami i kuwe.

ISIHLABELELO 88.

Igama. Ishlabelelo kuwo amadodana ka Kora ; kumholi wokuhlabelela ngesifo sokuhlupeka. Isiqondiso sika Hemani umEzahi.

**J**EHOVA Tixo wokusindiswa kwami, ngi kalile emini na sebusuku pambi kwako ;

2 Umtandazo wami ma u ze pambi kwako, u bekise indhlebe yako kuko ukukala kwami.

3 Ngokuba umpefumlo wami u gewele izinkatazo, ubomi bami bu finyelele esheoli.

4 Ngi baliwe kanye nabo aba tyona emgodini ; ngi njengomuntu o nge namandhla.

5 Ngi ngokululiweyo pakati kwabafileyo, njengabahlatyiweyo abaleleyo etuneni, o nga sa kumbuli bona ; futi ba nganyuliwe njengesandhla.

6 U ngi bekile emgodini ongezansi, ezindaweni ezinyama, ezindaweni ezijulileyo.

7 Ukuvuta kolaka lwako ku ya sinda pezu kwami ; u ngahlulile ngawo onke amaza ako. Sela.

8 U ba hlukanisile nami engibaziyo ; u ngenze ngi be ukunengeka kubona, ngi ngovalelweyo, ngi nge pume.

9 Iso lami li ya zaca ngenxa yenhlupeko yami ; ngi ku bizile Jehova nge-mibla yonke, ngi zelulele izandhla zami kuwe.

10 Po u ya kwenza umangaliso kubo abafileyo na ? izitunzi zo vuka zi ku bongena ? Sela.

11 Umusa wako wo shunyayelwa etuneni ? nokukoleka kwako endaweni yokubujiswa na ?

12 Okumangalisayo kwako ku ya kwaziwa ebunyamani ? nokulunga kwako ezweni lokukohlwa na ?

13 Kefa ngi kalile kuwe, Jehova ; na sekuseni ukutandaza kwami ko fika pambi kwako.

14 Jehova, ku ngani ukuba u delele umpefumlo wami, yini ukuba u site ubuso bako kimi ?

15 Ngi ohlupekayo, ogqabukayo kwa-sebutyeni bami ; ngi twalile amavuso ako, se ngi katazekile.

16 Intukutelo yako etyisayo i dhlulele

pezu kwami ; ukwetusa kwako ku ngi nqumile.

17 Ba ngi zungeza njengamanzi imihla yonke ; ba ngi haqa kanyekanye.

18 E ngi m tandayo nomgane wami ; u ba hlukanisile kude nami ; ne ngi baziyo ebumnyameni.

ISIHLABELELO 89.

Isiqondiso sika Etani umEzahi.

**J**EHOVA, ngo hlabelela umusa wako ku ze ku be pakade, ngi kwazisa iqiniso lako ngomlomo wami ezizukulwaneni na ngezizukulwane.

2 Ngokuba nga ti, Umusa u ya kwakiwa ku ze ku be pakade; wo qinisa ukukoleka kwako ezulwini kubona.

3 Ngenzile uvumelwano lwami nabaketweyo, ngi fungile kuye uDavida inceku yami.

4 Ngo qinisa inzalo yako, ngi sake isihlalo sako sobukosi ezizukulwaneni na ngezizukulwane, Sela.

5 Ko ti izulu li babaze imimangaliso yako, Jehova ; nako ukukoleka kwako ebandhleni labayingewele.

6 Ngokuba i mu pi emafwini o nga miswa noJehova ? i mupi o nga faniswa noJehova pakati kwamadodana ka Tixo na ?

7 uTixo u yesabeka kakulu ekuhlanganeni kwabayingewele ; yena u ya hlonitywa ibo bonke aba m haqayo.

8 Jehova Tixo wamabandhla, ubani o njengawe Jehova o namandhla ? no fana nokukoleka kwako oku ku haqileyo na ?

9 Wena u ya busa ukukukumala kolwandhle ; ekublokomeni kwamandhlambini alo u ya wa tulisa.

10 Wena u fohlzile uRahabi njengohlattyweyo ; u hlakazile izita zako ngenalo yako e namandhla.

11 Izulu li nge lako, nomhlaba u ngo wako ; izwe nokugewala kwalo, u li sekele wena.

12 Wena u dalile inyakato neningizimu ; iTabori neHermoni li ya kumeneza ngokwetaba ngegama lako.

13 Ingalo yako i nobuqawe ; isandhla sako si namandhla, isandhla sako sokunene si pakamile.

14 Ukulunga nokwahlula ku isisekelo sesihlalo sako sobukosi ; umusa neqiniso ko hamba pambi kobuso bako.

15 Ba ya busiswa abantu a ba kwaziyo ukuhamba kwenjabulo ; Jehova, ba ya kuhamba ekukanyeni kobuso bako.

16 Ba ya kwetaba egameni lako nge-

zinsuku zonke ; ba pakanyiswe ekulungeni kwako.

17 Ngokuba wena u ngukukazimula kwamandhla abo ; ko ti emuseni wako upondo lwetu lo pakama.

18 Ngokuba isihlangu setu si kuJehova ; neNkosi yetu i kuye Oyingewele ka Israeli.

19 Lapo wa kuluma esibonakalisweni kuye okolwayo wako, wa ti ; se ngi bekile ukusiza pezu kweqawe ; ngi pakamisile oketiweyo kubantu.

20 Ngi fumanile uDavida inceku yami ; ngi m gcobile ngamafuta ami a ingewele.

21 Uyena isandhla sami e si ya kuma si qinile kuye ; impela ingalo yami i ya kumqinisa.

22 Isita a si yi kumbasela ; nendodana yobubi a i yi kumlhupa.

23 Ngi ya kutyaya abahlupi bake ebusweni bake ; ngi tyaye abazondi bake.

24 Kanti ukukoleka kwami nomusa wami wo ba naye ; futi upondo lwake lo pakama egameni lami.

25 Ngi ya kubeka isandhla sake elwandhle ; nesokunene sake emifuleni.

26 Yena wo kalcala kimi, e ti, U ngubaba wena, uTixo wami, idwala lokusindiswa kwami.

27 Futi ngi ya kumenza izibulo lami elipakamileyo kuwo amakosi omhlaba.

28 Umusa wami ngo wu geinela yena ku ze ku be pakade ; novumelwano lwami lo qiniswa kuye.

29 Ngo misa inzalo yake ku be njalo, nesihlalo sake sobukosi njengezinsuku zezulu.

30 Uma abantwana, bake be shiya umteto wami ; be nga hambi ezahluleni zami !

31 Uma bapula iziyalezelo zami, be nga geini izimemezelo zami ;

32 Lapo ngo buyisela izipambeko zabo pezu kwabo ngentonga, nokonakalisa kwabo ngemivimbo.

33 Noko a ngi yi kuputisa umusa wami kuye ; a ngi yi kukohlisa ekukoliseni kwami.

34 A ngi yi kwapula uvumelwano lwami, ngi pambukise loku okupumileyo ezindebeni zami.

35 Kanye nga funga ngobungewele bami, ukuba a ngi yi kuqamba manga kuDavida.

36 Inzalo yake yo ba kona pakade ; nesihlalo sake sobukosi njengelanga pamini kwami.



37 So miswa njengenyanga, nofakazi okulisileyo emafwini. Sela.

38 Kanti wena u lahlile, u delele; wa tukutela ngoxotyiweyo wako.

39 U nengiwe uvumelwano lwenceku yako; u neolisile umqele wake u wu posele emhlabatini.

40 U citile zonke izindonga zake; u bekile ekucitakaleni izinqaba zake.

41 Bonke aba dhlulayo endhlehleni ba m panga; u ihlazo kubo abakelene naye.

42 U si pakamisile isandhla sokunene sabahlupi bake; u jabulisile zonke izita zake.

43 Futi u buyisile usiko lwenkemba yake; u nga m misi ekulweni.

44 U qedile ukukazimula kwake, u citile isihlalo sake sobukosi emhlabatini.

45 U finyezile izinsuku zobutya bake, u m sibekile ngamahloni. Sela.

46 Ko za ku be nini, Jehova; wo zisita ku ze ku be pakade na? ukuvuta kolaka lwako ko tya njengomlilo na?

47 Kumbula mina e ngi nokupila okufupi kangaka; ku ngani ukuba wenza bouke abantwana babantu ngeze na?

48 I mupi umuntu ohleziyo e nga yi ku bona ukufa na? a nga kulula umpefumlo wake esandhleni sesheoli na? Sela.

49 Nkosi u pi umusa wako wokuqala? wa funga kuDavida ngokuqiniseka kwako.

50 Kumbula, Nkosi, ukujeziswa kwezineeku zako; ngi twalile esifubeni sami ihlazo labo bonke abantu abaningi.

51 E zi ku jezise ngalo izita zako, Jehova; e zi jezise ngako ukuhamba kogoxyiweyo wako.

52 U ya busiswa uJehova ku ze ku be pakade, Amen, ehe, Amen.

#### IZIHLABELELE 90.

Umtandazo ka Mosi, umuntu ka Tixo.

**N**KOSI wena u yisipepelo setu ezizukulwaneni nezizukulwane.

2 Lapa zi nga ka zalwa izintaba, u nga ka wenzi umhlabati nezwe; ku ti, ku suke pakade ku ze ku be pakade wena u nguTixo.

3 U ya m buyisela umuntu otulini; u ti, Buyani bantwana babantu.

4 Ngokuba iminyaka e inkulungwane emehlweni ako i njegezolo uma i dhlula, na njengomlindo ebusuku.

5 U ya ba kukula, ba njengobutongo; ba ya pela kusasa njengotyani.

6 Kusasa bu ya kahlela, bu hlume; kusihlwa bu ya nqunywa bu bune.

7 Ngokuba si ya qedwa ulaka lwako; na ngokuvuta kwentukutelo yako si ya buba.

8 U beke ukonakalisa kwetu pambi kwako; okusitekileyo kwetu ekukanyeni kobošo bako.

9 Ngokuba izinsuku zetu zonke zi ya dhlula entukutelweni yako; zi feza iminyaka yetu njengokuzindhla.

10 Izinsuku zeminyaka yetu zi neminyaka engamashumi ayisikombisa; nomma ngenxa yamandhla zi neminyaka engamashumi ashiyagalombili; noko ukugeina kwayo ku ngukukatazeka nokuhlupeka, ngokuba ku nqunywa masinyane, si ndize, si nyamalale.

11 Ubani o waziyo amandhla olaka lwako na? njengokusabeka kwako ku njalo intukutelo yako.

12 Si fundise ukubala izinsuku zetu, si zuze inhliziyu yokuhlakanipa.

13 Ma u buye, Jehova, ko za ku be nini na? u haukele izineku zako.

14 Si sutise masinyane ngomusa wako, ukuze si hube ngokwetaba, si jabule izinsuku zonke zetu.

15 Si jabulise ngokwezinsuku o wa si kataza ngazo, neminyaka e si bonile okubi ngayo.

16 Umsebenzi wako ma u bonakale kuzo izineku zako, nokukazimula kwako kubantwana bazo.

17 Okuhle kuka Jehova uTixo wetu ma ku be pezu kwetu; u mise umsebenzi wezandhla zetu pezu kwetu, ehe, umsebenzi wezandhla zetu u wu qinise.

#### IZIHLABELELE 91.

**Y**ENA o hlezi ekusitekeni kOpakami-leyo, wo hlala etunzini lika Somaandhla.

2 Ngi ya kuti kuTixo, U isipepelo sami, nenqaba yami; uTixo wami; ngo temba kuwe.

3 Ngokuba yena wo ku kulula esihibeni somtyi, nasempandwini obubisayo.

4 Wo ku sibekela ngezimpape zake, na nga pansi kwamapiko ake u ya kwetamba; iqiniso lake li isihlangu nehau.

5 A u yi kwesaba ngevuso ebusuku; na ngomsebe o ndiza emini;

6 Na ngempondo e hamba ebumnyameni; na ngokufa o ku bubisayo emini eukulu.

7 Aba izinkulungwane ba ya kuwa

ngasohlantotini lwako, naba izinkulungwane ezi ishumi esandhlени sokene sako; kanti a ku yi ku kunamata wena.

8 Kodwa wo bhеka ngamehlo ako, u bone ukupindiselwa kwababi.

9 Ngokuba wena u menze uJehova isipepelo sami, ukuti, Opakamileyo, a be inhlaho yako.

10 Okubi a ku yi ku kuwela, nokutyaywa a ku yi kusondela enhlahweni yako.

11 Ngokuba wo yaleza izingelosi zake ngawe, uku ku londoloza ezindhleleni zako zonke.

12 Zi ya kukupata ezandhlени zazo, funa unyawo lwako lu tyayeke etyeni.

13 Wo hamba wena pezu kwengonyama nebululu; wo nyatela pansi ingonyama entya neungwenya.

14 Ngokuba yena wa e namatela kimi; ngako ngo m kulula; ngi m pakamise, ngokuba wa e lazi igama lami.

15 Wo ngi biza yena, ngi m pendule, ngi be naye encingweni; ngo m kulula, ngi m dumise.

16 Ngi ya kumsutisa ngobude bezinsuku, ngi m bonise ukusindiswa kwami.

IZIHLABELELO 92.

**K**UHLE ukumbonga uJehova, nokuhlabelela igama lako, wena Opakamileyo:

2 Ukulandela umusa wako kusasa, nokukoleka kwako kusihlwa.

3 Pezu kogubu olunezintambo ezi ishumi; na pezu kweqwabe; pezu kwemvingo evumayo kamnandi.

4 Ngokuba wena, Jehova, u ngi jabulisile ngomsebenzi wako; ngo huba ngokwetaba ngokwenza kwezandhla zako.

5 Jehova, imizuzu zako zi kulu kaugaka! izizindhlo zako zi julile kakulu.

6 Umuntu o isipukupuku a nge kwazi; nesiula si nge ku qonde loku.

7 Nxa ababi be hluma njengotyani, nabasebenzi bokubi bonke be kahlela; ko za ku be ukucitwa kwabo ku be ngunapakade.

8 Kepa wena, Jehova, u pakeme ku ze ku be pakade.

9 Ngokuba bhеka izita zako, Jehova, ngokuba bhеka izita zako zi ya kububa zonke, abasebenzi bokubi ba hlakazeke.

10 Kepa wo pakamisa upondo lwami njengolwenqumba; ngi geotyiwe ngamafuta amatya.

11 Kepa iso lami lo bona izita zami;

izindhlebe zami zi ya kuzwa ngababi aba ngi vukelayo.

12 Olungileyo wo hluma njengesundu, wo kula njengesedare eLebanoni.

13 Bona a ba tyaliwe ngasendhlени ka Jehova, ba ya kuhluma emagumeni aka Tixo wetu.

14 Ba sa ya kumila ebudaleni; ba kulupale, ba be batya.

15 Uku landela, ukuba uJehova uqoto; u yidwala lami, abuko ububi kuye.

IZIHLABELELO 93.

**U**JEHOVA u ya busa, wembete ukupakama uJehova wembete amandhla, u zihlomile; izwe li qiniswe ukuze li nga zamazami.

2 Isihlaho sako sobukosi si qiniswe kwa sebudaleni; wena wa u kona kwa pakade.

3 Imisinga i pakamisile, Jehova, imisinga i pakamisile izwi layo: imisinga i ya pakamisa amaza ayo.

4 Ezinhlokomweni zamanzi amaningi, a namandhla na semadhlambini olwandhle; u namandhla ngapezulu uJehova.

5 Izifundiso zako zi qinisekile kakulu; ubungewele bu fanele indhlu yako Jehova ku ze ku be sebudeni bezinsuku.

IZIHLABELELO 94.

**J**EHOVA, Tixo wempindiselo, Tixo wempindiselo kanyisa.

2 Ma u zipakamise wena Mahluli wezwe; u buyisele pezu kwabazidhlayo umvuzo.

3 Jehova, ko za ku be nini ababi, ko za ku be nini ababi betabe na?

4 Ba pumise ba kulume kabi; be zibonga bonke abasebenzi bokubi?

5 Ba ya coboza abantu bako, ba hlule ifa lako.

6 Ba ya bulala umfelokazi nomfokazi, ba bubise nezinkedama.

7 Bona ba ti, uJehova a ka boni; uTixo ka Jakobe a ka qondi.

8 Qondani nina zipukupuku zabantu, nani zitula ni ya kuhlakanipa nini na?

9 Yena o wa beka indhlebe a ka yi kuzwa na? Yena o wenza iso a ka yi kunaka na?

10 Yena o yala izizwe a ka yi kulungisa na? no fundisa umuntu ukwazi na?

11 uJehova u ya wazi amacebo omuntu, ukuba a ize.

12 Jehova u ya busiswa o m yalayo, u m fundise ematweni wako:

13 Ukumpumuza ezinsukwini ezimbi, ku ze ku m belwe omubi ungodini.

14 Ngokuba uJehova a ka yi kulahla abantu bake, a ka yi kushiya ifa lake.

15 Ngokuba ukwahlula ku ya kubuyela ekulungeni; ko ti bonke abaqoto enhliziyweni ba ku landele.

16 Ubani o ya kuvukela ababi ngenxa yami na? ubani o ya kumela abasebenzi bokubi ngenxa yami na?

17 Nxa uJehova wa be e nge siko ukusiza kwami, umpefumlo wami wa be u ngenxa cityu ku hlala ekutuleni.

18 Lapo nga ngi ti, Unyawo lwami lu ya tyelela; umsa wako Jehova wa ngi pasa.

19 Ekuvameni kwezizindhlo zami pakati kwami ububele bako bu ya duduzwa umpefumlo wami.

20 Si ya kuhlanguka ini nawe isihlalo sobukosi sabonakalisayo, e si kwenza ukhulupeka ngaso isimisiso?

21 Ba ya hlanguka empefumlweni wolungileyo, ba lahle igazi elingenacala.

22 Kepa uJehova u yinqaba kimi; uTixo wami u yidwala lesipepelo sami.

23 Yena wo buyisela pezu kwabo ukonakala kwabo, a ba qede ebubini babo, ehe, uJehova uTixo wetu wo ba qeda.

IZIHLABELELO 95.

**Y**IZANI si memeze ngokwetaba kuJehova, si hube ngenjabulo kulo idwala lokusindiswa kwetu.

2 Ma si ze pambi kobuso bake ngokubonga, si hube kuye ngezihlabelelo.

3 Ngokuba uJehova u nguTixo omkulu, u iNkosi enkulu ngapezu kotixo bonke.

4 O nokujulileyo komhlaba esandhlени sake; imisebenzi yezintaba eyake nayo.

5 O nalo ulwandhle, yena wa lwenza, nezandhla zake za bumba umhlabati o womileyo.

6 Wozani si dumise si kotame; si guqe ebusweni buka Jehova uMenzi wetu.

7 Ngokuba yena u nguTixo wetu; tina si ngabantu bedhlehlo lake, si yizimvu zesandhla sake, Namhla uma ni li zwa izwi lake,

8 Ni nga yenzi i be lukuni inhliziyo yenu, njenga sekucunuleni njenga sosukwini lokusola ehlane.

9 Loku oyihlo benu ba be ngi zwa, ba ngi linga, ba bona imisebenzi yami.

10 Iminyaka i ngamashumi amane nga ngi cunuka ngesizukulwane; nga buya nga ti, Ba ngabantu aba dukayo,

ngenhliziyo, bona, a bazanga izindhlehla zami;

11 E nga funga olakeni lwami ngabo, ukuba a ba yi ku ngena ekupumuleni kwami.

IZIHLABELELO 96.

**M**A ni hlabelele kuJehova igama elitya; hlabelelani kuJehova mhlaba wonke.

2 Hlabelelani kuJehova ni bongela igama lake; ni shumayeke ukusindisa kwa-ke imihla ngemihla;

3 Tyelani udumo lwake ezizweni; nemimangaliso yake pakati kwezizwe zonke.

4 Ngokuba uJehova mkulu, u fanele ukudunyiswa kakulu; yena u yesabeka ngapezu kotixo bonke.

5 Ngokuba bonke otixo bezizwe ba ize; kanti uJehova wenza izulu.

6 Ubukosi nokukazimula ku sebusweni bake; amandhla nobuhle bu sendaweni yake eyingewele.

7 Letani nina mindeni yabantu, letani udumo namandhla.

8 Letani kuJehova udumo lwegama lake; ni lete umnikelo, ni ngene emagumeni ake.

9 Dumisani uJehova ezivunulweni ezi ingewele; ma ni tutumele ebusweni bake nina nonke bezwe.

10 Ma ni ti ezizweni, uJehova u ya busa; nawo umhlaba wo qiniswa ukuze u nga zanyazanyiswa; wo bahlulela abantu ngokulunga.

11 Ma li jabule izulu, wetabe umhlaba; ma lu dume ulwandhle nokugewala kwalo.

12 Ma wename umhlabati nako konke o ku kuwo; lapo imiti yonke yehlati yo luba ngenjabulo,

13 Ebusweni buka Jehova; ngokuba u yeza, ngokuba u yeza ukwahlulela izwe; u ya kwahlulela izwe ngokulunga, nabantu ngeqiniso lake.

IZIHLABELELO 97.

**U**JEHOVA u ya busa, ma letabe izwe; ma zi jabule iziqingini eziningi.

2 Amafu nobumnyama ku ya m zungeza; ukulunga nokwahlula ku yisisekelo sesihlalo sake sobukosi.

3 Umlilo u ya puma ebusweni bake, u tyisa izita zake ezi zungezayo.

4 Imibane yake i ya kanyisa izwe, umhlaba u ya bona u tutumele.

5 Izintaba zi ya nebilika ebusweni

buka Jehova, ebusweni beNkosi yomhlaba wonke.

6 Izulu li ya shumayela ukulunga kwake; ba ti, abantu bonke ba bone udumo lwake.

7 Ma ba jabe bonke aba konza ezitombeni ezi baziweyo; a ba zibabazela ize; mu konzeni nina nonke botixo.

8 iZioni lezwa la jabula; a ti amadadakazi a seJuda etaba ngenxa yezahlulelo zako, Jehova.

9 Ngokuba wena Jehova u ngOpakamileyo pezu komhlaba wonke; u pakeme kakulu pezu kotixo bonke.

10 Nina e ni m tanda uJehova ma ni zonde okubi; u ya londa imipefumlo yabalungileyo bake; a ba kulule esandhlani sababi.

11 Ukukanya ku hlwanyelelwa olungileyo, nenjabulo, oqoto enhliziyweni.

12 Jabulani kuJehova nina balungileyo; ni bonge ekukumbuleni kobungewele bake.

ISIHLABELELO 98.

Isihlabelelo.

**H**LABELELANI kuJehova isihlabelelo esitya, ngokuba wenzile imingalisiso; isandhla sake sokunene, nengalo yake e ingewele i m nqobele.

2 uJehova wazisile ukusindisa kwake; ukulunga kwake u kwambulile emehlweni ezizwe.

3 U kumbulile umusa wake, neqiniso lake kuyo endhlini ya kwaIsraeli; imikaulo yonke yomhlaba i bonile ukusindisa kuka Tixo wetu.

4 Hubelani kuJehova mhlaba wonke; hlonzani ngokwetaba, ni hube ngenjabulo, ni hlabelele.

5 Hlabelelani kuJehova ngogubu, ngogubu nezwi lemvunga.

6 Ngamatilongo nezwi lopondo; hubelani ebusweni beNkosi uJehova.

7 Ma lu hube ulwandhle nokugewala kwalo; nomhlaba nabahleziyo pakati kwawo.

8 Imifula ma i tyaye izandhla; izintaba ma zi hube kanye ngenjabulo;

9 Ebusweni buka Jehova, ngokuba u yeza ukwahlulela umhlaba; u ya kwahlulela izwe ngokulunga, nabantu ngokufanela.

ISIHLABELELO 99.

**U**JEHOVA u ya busa, ma ba tutuneele abantu; u hlezi kuwo amakerubi, ma u zamazame umhlaba.

2 uJehova mkulu eZioni, u pakeme pezu kwabantu bonke.

3 Ba ya kudumisa igama lako elikulu elisabekayo; li ingewele lona.

4 Futi amandhla eNkosi a ya tanda ukulungisa; wena u ya qinisa ubuqoto; wenza futi ukulungisa nokulunga eJakobe.

5 Mu babazeni uJehova uTixo wetu, ni dumise esenabelweni sezinyawo zake; u ingewele yena.

6 uMosi noAroni pakati kwabateteleli bake; noSamueli pakati kwabo aba biza igama lake; ba biza kuJehova, yena wa bezwa.

7 Wa kuluma kubo ensikeni yefu; ba geina izifundiso zake, noniteto a ba nika wona.

8 Jehova Tixo wetu, wena wa ba pendula; wa u nguTixo kubo oyekelayo, opindiselayo pezu kwezenzo zabo ezibi.

9 Mu babazeni uJehova uTixo wetu, ni dumise entabeni yake e ingewele; ngokuba u yingewele uJehova uTixo wetu.

ISIHLABELELO 100.

Isihlabelelo sokudumisa.

**H**UBELANI ngokwetaba kuTixo umhlaba wonke.

2 Mu konzeni uJehova ngenjabulo; ni ngene ebusweni bake ngokuhlaba kwenjabulo.

3 Yazini ukuba uJehova u yena o nguTixo, uye o senzileyo, a si tina; si nga bantu bake si yizimvu zedhilelo lake.

4 Ngenani emasangweni ake ngokudumisa, nasemagumeni ake ngokuhlabelela, mu dumiseni ni bonge igama lake.

5 Ngokuba uJehova u lungile, umusa wake u hlezi ku ze ku be pakade; neqiniso lake esizukulwaneni nasezizukulwaneni.

ISIHLABELELO 101.

Isihlabelelo sika Davida.

**N**GI ya kuhlabelela umusa nokwahlulela; ngi hubele kuwe Jehova.

2 Ngo hlakanipa endheleni eqoto. U ya kuza kimi nini na? Ngo hambu pakati kwendhlu yami ngenhliziyo eqoto.

3 A ngi yi kubeka pambi kwamehlolo ami indaba embi; ngi ya zonda ukwenza izipambeko; a ku yi kunamatela kimi.

4 Inhliziyo epambeneyo yo deda kimi; a ngi yi kwazi omubi.

5 Ngo nquma o m hlebayo owake-

lene naye ngasese; a ngi yi kuvuma yena o pakeme ngamehlo, nozidhlayo ngenhlizyo.

6 Amehlo ami a ya kuba kubo abakolekayo bomhlaba, ukuze ba hlale nami; o hamba ngenhlilela epeleleyo yena wo ngi kouza.

7 A ka yi kuhlala endhlini yami o yenza inkohliso; yena o kuluma amanga a ka yi kuma pambi kwamehlo ami.

8 Ngi ya kutulisa ababi bonke bezwe masinyane; ukuze ngi nqume abasebenzi bokubi emizini ka Jehova.

IZIHLABELELO 102.

Umtandazo wohlupekayo nxa a hluleka e tele inshumayelo yake ebusweni buka Jehova.

**J**EHOVA, yizwa umtandazo wami, ma ku ze kuwe nokukala kwami.

2 U nga fihli ubuso bako kimi ngosuku lokuxineka kwami; beka indhlebe yako kimi u tyetye uku ngi zwa ngosuku e ngi biza ngalo.

3 Ngokuba izinsuku zami zi ya nyamalala njengomusi; namatambo ami a ya tya njengeziko.

4 Inhlizyo yami i tyayiwe, i bunile njengotyani; njengokuba ngi kohliwe ukudhla isinkwa sami.

5 Ngenxa yezwi lokububula kwami, amatambo ami a ya namatela enyameni yami.

6 Ngi ya fana nonozalizingwenya ehlane, ngi be njengesikova sencitakalo.

7 Ngi ya linda, ngi njengenyoni e yodwa pezu kopahla.

8 Izita zami zi ya ngi jezisa izinsuku zonke; bona aba gewaneka ngami ba ya funga ngami.

9 Ngokuba ngi dhlile umlota njengesinkwa, ngi xubanisile ukupuza kwami nokulila.

10 Ebusweni bentukutelo yako nokucunukala kwako; ngokuba wa ngi pakamisa wa buya wa ngi kahlela pansi.

11 Izinsuku zami zi njengomtunzi owandayo; mina ngomile njengotyani.

12 Kepa wena, Jehova, wo hlala ku ze ku be pakade; nokukunjulwa kwako ngezizukulwane nezizukulwane.

13 Wena wo vuka u haukele iZioni; ngokuba se ku isikati sokuba nomusa kulo, ngokuba umizuzu lo u fikile.

14 Ngokuba izinceku zako zi ya tokozama ematyeni alo, zi haukele utuli lwalo.

15 Ko ti izizwe zesabe igama lika Jehova, namakosi onke omhlaba udumo lwake.

16 Lapo uJehova e se lakile iZioni, e bonakele ekukazimleni kwake.

17 U ya nakekela umtandazo wabadingi, a ka'wu deli umtandazo wabo.

18 Loku ko lotyelwa izizukulwane ezilandelayo; ko ti abantu a ba za ku zaulwa ba dumise uJehova.

19 Ngokuba wa buka e sekupakameni kobungwele bake; uJehova wa bheka umhlaba e sezulwini.

20 Ukuzwa ukububula kombotywa; nokutukulula abantwana bokufa.

21 Ukushumayela igama lika Jehova eZioni, nesibongo sake eJerusalema.

22 Ekubutaneni kwabantu, nemibuso uku m konza uJehova.

23 U ya ncipisa amandhla ami endhleleni; u finyeza izinsuku zami.

24 Nga ti, Tixo wami, u nga susi enxenyeni yezinsuku zami, iminyaka yako i nezinkulungwane nezinkulungwane.

25 Endulweni wa sekela umhlaba, nezulu li ngumsebenzi wezandhla zako.

26 Lona li za kububa, kanti wena u hlezi; li ya kuguga lonke njengengubo, njengokwambata wo li pendula li pendulwe.

27 Kanti wena u nguye njalo; nemi-nyaka yako a i yi ku pela.

28 Abantwana bezineeku zako bo hlala; nenzalo yabo i qiniswe pambi kwako.

IZIHLABELELO 103.

Si ka Davida.

**M**U bonge uJehova mpefumlo wami; nako konke oku pakati kwami ma ku bonge igama lake eli ingwele.

2 Mu bonge uJehova, mpefumlo wami, u nga kohlela imisebenzi yonke yake emihle.

3 O yekela ukonakalisa konke kwako, o zelapayo izifo zonke zako.

4 U kulula ukupila kwako ekubujisweni; o ku hlobisa ngomusa nomhau.

5 O sutisa umlomo wako ngokulungileyo, ku buyiswe ubutya bako njengenqe.

6 uJehova wenzela bonke abahlutywayo ukulunga nokwahlulela.

7 Wa mazisa uMosi izindhlela zake; nabantwana baka Israeli izenzo zake.

8 uJehova u ya haukela, u nobunene; ulaka lwake lu ya libala, u vama umusa.

9 A ka yi kupikisana ngezikati zonke; ka geini intukutelo ku ze ku be pakade.

10 A kenzi kitina njengezono zetu; a ka si vuzanga ngokwamacala etu.

11 Ngokuba njengokupakama kwezulu

pezu komhlaba, njalo umusa wake u namandhla pezu kwabo aba m esabayo.

12 Njengempumalanga i hlukene nentyonalanga, ku njalo u dedisile kiti zipambeko zetu.

13 Njengoyise u ya haukela abantwana bake, njalo uJehova u ya haukela bona a ba m esabayo.

14 Ngokuba u ya kwazi ukwenza kwe-tu; u ya kumbula ukuba tina si utuli.

15 Kepa umuntu u njengotyani izinsuku zake; njengembali yotyani, njalo u ya kahlela.

16 Ngokuba umoya u ya dhlula pezu kwayo, i nga bi sa bako; indao yayo ka yaziwa futi.

17 Kanti umusa ka Jehova u pakade ku ze ku be pakade kubo aba m esabayo; nokulunga kwake kubantwana babantwana;

18 Kubona aba londa uvumelwano lwake; nabakumbula iziyalezelo zake ukuzena.

19 uJehova u misile isihlalo sobukosi sake ezulwini; ku ti umbuso wake u buse pezu kwako konke.

20 Bongani uJehova nina zingelosi zake; nina maqawe a namandhla e nenza ukutyo kwake, ni lalele izwi lokuyala kwake.

21 Bongani uJehova nina mabandhla onke ake; nina zincuku zake e nenza intando yake.

22 Ma ku bongwe uJehova imisebenzi yonke yake ezindaweni zonke zokubusa kwake; mu bongwe uJehova, mpefumlo wami.

ISIHLABELELO 104.

**M**U bongwe uJehova mpefumlo wami, Jehova Tixo wami wena umkulu kakulu; wambete ukukazimula nobukosi.

2 O gqoka ukukanya njengengubo; o wendhlala izulu njengendwangu elengayo :

3 O waka amakamelo ake emanzini; o beka amafu a be inewele yake; o hamba emapikweni omoya :

4 O zenza izingelosi zake imimoya; izinecku zake umlilo o namalangabi.

5 Wa sekela umhlaba esisekelweni sawo, u nga zanyazanyiswa ku ze ku be pakade na ngezikati.

6 Wa wu sibekela ngolwandhle njengengubo; amanzi e ma ezintabeni.

7 Ngokukuza kwako a baleka; ngezwi lokududuma kwako a tyetya ukumuka.

8 Izintaba zi ya kupuka; izimfunda zeukela kulendawo o zi sekele ngayo.

9 U mise umkaulo ukuze a nga dhluli: a nga buyeli ukusibekela umhlaba.

10 U ya tuma imitombo ezigodini; i hambe pakati kwezintaba.

11 I ya puzisa izilwane zonke zomhlabati; izimbongolo zi ya polisa ukoma kwazo.

12 Ku yona izinyoni zezulu zi ya kwaka; e zi pumisa izwi lazo pakati kwamagatya.

13 U ya puzisa izintaba kuwo amakamelo ake; umhlaba u ya suta isitelo semisebenzi yake.

14 U ya hlumisela izinkomo utyani; nemfino yokusiza umuntu; ukuze a pumise ukudhla emhlabeni.

15 Newaini eli tokozisa inhliziyo yomuntu; namafuta a kazimulisa ubuso bake; nesinkwa e si qinisa inhliziyo yomuntu.

16 Imiti ka Jehova i ya suta; amasedare a seLebanoni a wa tyalileyo.

17 Lapo izinyoni zaka kona izihleke; ikasida, amasedare a yindhlu yalo.

18 Izintaba ezinde zamanxala; amawa a yisipepelo sonogwaja.

19 Wenzele imizuzu inyanga; ilanga li ya kwazi ukutyona kwalo.

20 U ya beka ubumnyama, bu ti bu kona ubusuku; izilo zonke zehlati zi hamba ngayo.

21 Izingonyama ezintya zi ya bahela ukupanga, nokufuna ukudhla kwazo kuTixo.

22 Ilanga li ya puma, zi ya hlangana, zi lala pansu ezindaweni zazo.

23 Umuntu u ya pumela emisebenzini yake; nokukouza kwake ku ze ku hlwe.

24 Jehova i vamile kangaka imisebenzi yako! wenzile yonke ngokuhlakanipa; umhlaba u gewele ingcebo yako.

25 Na lolulwandhle olukulu olubanzi emacaleni; lapo zi kona ezi huluzelayo ezi nge nakubalwa, izilwane ezincane kanye nezinkulu.

26 Lapo imikumbu i hambela kona; unikomo u kona, o wenzile u dhlale pakati kwalo.

27 Lezi zonke zi bhaka wena; ukuze u zi nike ukudhla kwazo ngesikati sako.

28 U ya zi nika zi bute; u ya vula isandhla sako zi sute okulungileyo.

29 U ya sita ubuso bako, zi katazeke; u ya susa umoya wazo, zi fe zi buyele otulini lwazo.

30 U ya tuma umoya wako, zi zalwe; wenze ubuso bomhlaba bu be butya.

31 Udumo luka Jehova lo hlala pakade; uJehova wo jabula emisebenzini yake.

32 Yena o bheka emhlabeni, u tutume-la; o namata ezintabeni zi tunqe.

33 Ngo huba kuJehova ngi sa hlezi; ngi hlabelele kuTixo wami ngi se kona.

34 Ukukuluma kwami kuye ku ya ku-ba mnandi; ngo jabula kuJehova.

35 Izeni zo qedwa emhlabeni; ma ku ti, ababi ba nga bi be sa bako. Mu bo-nge uJehova, mpefumlo wami. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 105.

**B**ONGANI uJehova, ni hube kulo iga-ma lake; ni zazise izenzo zake pakati kwabantu.

2 Vumani kuye, ni hlabelele kuye; ni kulume ngemimangaliso yonke yake.

3 Dumisani igama lake eli ingwele; ma i jabule inhliziyo yabo aba m funayo uJehova.

4 Landani uJehova, namandhla ake; ni fune ubuso bake njalo.

5 Kumbulani imimangaliso yake a ye-nzileyo; imisebenzi emikulu yake, nezahulumelo zomlomo wake.

6 Nina nzalo ka Abrahama, inceku yake; bantwana baka Jakobe oketiweyo wake.

7 Yena u nguJehova uTixo wetu; iza-hlulelo zake zi semhlabeni wonke.

8 U kumbulile uvumelwano lwake ku ze ku be pakade, izwi a li yaleza kuzo izizukulwane ezi inkulungwane.

9 A li vumelana noAbrahama nesi-fungo kuIsaka.

10 Wa si misela kuJakobe si be isiya-lezelo, nakuIsraeli si be uvumelwano lwa pakade.

11 E ti, Ngi ya kukunika izwe la se-Kauani; isahlulo sefa lenu.

12 Lapo kwa be ku kona abantu abalwayo; aba incozana nje be se abafu kulo futi.

13 Bona ba puma esizweni ba ye kwe-sinye isizwe, na sembusweni ba ye kwabanye abantu.

14 Wa e nga vumeli umuntu uku ba kataza; yena wa lungisa amakosi nge-nxa yabo.

15 Wa ti, ni nga pati abagcotyiweyo bami; ni ngoni abazisi bami.

16 Futi wa bizela indhlala pezu kwe-zwe; wapula intonga yonke yokudhla.

17 Wa tuma umuntu pambili kwabo, uJosefa, o wa tengwa a be inceku.

18 Bona izinyawo zake ngezibopo; umpefumlo wake weza ensimbini.

19 Kwa za kweza isikati e la fika nga-so izwi lake; inshunayelo ka Jehova ya m linga.

20 Inkosi ya tuma ya m kulula; umbusi wabantu wa m tukulula.

21 Wa m enza inkosi yendhlu yake, nombusi kuyo yonke ingcebo yake.

22 Ukubopa izikulu zake ngokwenhli-ziyo yake; a hlakanipise amalunga ake.

23 Kwa ti, uIsraeli wa fika Egipite; uJakobe wa hlalanje ezweni la seHamu.

24 Wa ti wenza abantu bake ba zale kakulu; wenza ba be namandhla ku nezita zabo futi.

25 Wa pendula inhliziyo yabo uku-zonda abantu bake, ukupata izinceku zake ngobuqili.

26 Wa tuma uMosi, inceku yake, no-Aroni a m ketileyo.

27 Ba beka pambi kwabo izindaba ze-ziboniso zake; nemisebenzi emikulu ezweni la seHamu.

28 Wa tuma ubumnyana, kwa ti kwa hlwa; futi a ba hlubukanga ezwini lake.

29 Wa pendula amanzi abo a be igazi; wa bubisa izinhlanzi zabo.

30 Izwe labo la vama amaselesele emakamelweni amakosi.

31 Wa kuluma, kwa ti kwa vela izi-bau, nezinsensane emacaleni onke abo.

32 Wa nika isicoto, invula yabo, nomlilo wamalangabi ezweni labo.

33 Wa tyaya izinwazi zabo namaki-wane abo; wa pula imiti yamacala abo.

34 Wa kuluma kwa vela izinkumbi, nenkasa e nge nakukubalwa.

35 Za dhla konke okuhlumayo kwe-zwe; za dhla nesitelo somhlabati.

36 Wa tyaya namazibulo onke ezwe, izinhloko zamandhla onke abo.

37 Wa ba pumisa be nesiliva negolide; kwa ti kwa ku ngeko o dangeleyo emindenini yabo.

38 La jabula iEgipite ekupumeni kwa-bo, ngokuba ukubesaba kwa wa pezu kwabo.

39 Wandhlala ifu, la ba sitibeza; nomlilo ukukanyisa ebusuku.

40 Ba cela, wa zisa izinswempe, wa ba sutisa ngokudhla kwezulu.

41 Wa vula idwala, kwa puma ama-nzi, a hamba ezindaweni ezomileyo nje-ngomfula.

42 Ngokuba wa kumbula izwi lake eli ingewe, noAbrahama ineeku yake.

43 Wa pumisa abantu bake ngokujabula; abaketiveyo bake ngokuhaba kvenjabulo.

44 Wa ba nika amazwe ezizwe; bona ba bamba umsebenzi wabantu.

45 Ukuze ba lalele kuzo iziyalezelo zake, ba geine imiteto yake. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 106.

**D**UMISANI uJehova. Mu bongeni uJehova, loku e lungile; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

2 Ubani o nga kuluma izenzo zamandhla zika Jehova? Ubani o ngezwalalisa ukudunyiswa konke kwake?

3 Ba ya busiswa bona a ba geina izahlulelo zake, naye o kwenza okulungileyo ngezikati zonke.

4 Ngi kumbule Jehova ngokwamkelwa kwabantu bako; u ngi bheke ngokusindisa kwako.

5 Ukuze ngi buke enhlanhlani yabaketiveyo bako, ngi ze ngi jabule enjabulweni yesizwe sako; ngi bonge kanye nefa lako.

6 Sonile tina kanye nobaba betu; senzile okubi; sonakele.

7 Obaba betu a ba qondanga imingaliso yako Egipte; a ba kumbulanga iningi lomusa wako; kanti ba pambeka ngaselwandhle olwandhle olubomvu.

8 Kepa wa ba sindisa ngenxa yegama lake, ukuze a wazise amandhla ake amakulu.

9 Yena wa kuza ulwandhle olubomvu, lwa se loma; wa ba hambisa pakati kolwandhle njenga sehlane.

10 Wa ba sindisa esandhlani somzondi; wa ba kulula na sesandhlani sezita.

11 A ti amanzi a sibekela izita zabo; a ka salanga noyedwa kubo.

12 Lapo ba kolwa emazwini ake; ba vama udumiso lwake.

13 Ba tyetya ba kohlwa imisebenzi yake; a ba lindanga icebo lake.

14 Kepa ba kanuka ngokukanuka ehlane; ba m linga uTixo ezweni elicitekileyo.

15 Wa ti wa ba nika isicelelo sabo; kanti wa tuma ukuzaca emipefumleni yabo.

16 Ba ba nomona ngoMosi ehlane, na ngoAroni o ingewele ka Jehova.

17 Unhlaba wa vula, wa m minza

uDatane; wa sibekela nombonda waka Abiramu.

18 Futi umlilo wa tya embondeni wabo; ilangabi la tyisa abonakalisileyo.

19 Benza itole eHorebi; ba kotamela isitombe esa neibilikiswayo.

20 Njalo udumo lwabo ba lu guqula lwa ba inkomo e dhla utyani.

21 Ba m kohlwa uTixo umsindisi wabo o be e bezele okukulu Egipte;

22 Imimangaliso ezweni la seHamu, nokusabekayo ngaselwandhle olubomvu.

23 Yena wa ti, u za kubacita, uma uMosi oketiweyo wake wa be e ngemanga ebusweni bake esikaleni, ukubuyisa ukuvuta kwentukutelo yake kuko uku ba cita.

24 Futi ba dela izwe eli fisekayo; ba be nga kolwa ezwini lake.

25 Kanti ba sola ematenteni abo; ba be nga laleli izwi lika Jehova.

26 Lapo wa pakamisa isandhla sake pezu kwabo, uku ba wisa ehlane.

27 Ukuwisa nenzalo yabo ezizweni, nokubahlakaza emazweni.

28 Ba konza uBali-peori, ba dhla iminikelo yabafileyo.

29 Njalo ba cunula ngemisebenzi yabo; kwa ngena pakati kwabo ukufa.

30 Lapo kwema uFinehasi wahlula, kwa yinjelwa ukufa.

31 Kwa ti kwa balelwa yena ukulunga kwezinkulungwane nezinkulungwane ku ze ku-be pakade.

32 Ba buya ba m tukutalisa emanzini enkani; kwa ba kubi kuMosi ngenxa yabo.

33 Ngokuba ba pambanisa umoya wake; wa za wa pambeka ngezindebe zake.

34 A ba citanga abantu a ba yala ngabo uJehova.

35 Kanti ba hlangana nezizwe, ba funda imisebenzi yabo.

36 Ba konza ezitonibeni zabo, za ze za ba isihibe kubo.

37 Futi ba hlabela amademoni amadodana abo namadodakazi abo.

38 Ba palaza igazi eli nge naelala, igazi lamadodana abo ne lamadodakazi abo, aba wa nikela ezitonibeni za seKanani; la za izwe la ngecoliswa ngegazi lawo.

39 Njalo ba zincolisa ngokwenza kwabo, ba pinga nemisebenzi yabo.

40 Ngako kwa ba kona ulaka luka Jehova ebantwini bake, wa za wa nengwa ifa lake.

41 Wa ba nikela esandhlani sezizwe; bona aba ba zondayo, ba ba busa.



42 Lapo isita sabo sa ba cindezela; ba totyiswa esandhlени sabo.

43 Izikati eziningi wa ba kulula, kanti ba m tukutalisa ngecebo labo; ba wa ekonakaliseni kwabo.

44 Noko, wa ba naka, be sencingweni; e kuzwa ukulula kwabo.

45 Wa kumbula uvumelwano lwake nabo, wa dabuka njengeningi lomusa wake.

46 Wa ba nika ububele ebusweni babo bonke aba ba tumbayo.

47 Si sindise, Jehova Tixo wetu, u si bute ezizweni ukudumisa igama lako eli ingwele, setabe ezibongweni zako.

48 Ma ka bongwe uJehova uTixo wa se-Israeli kwa pakade ku ze ku be pakade, abantu bonke ma ba ti. Amenі. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 107.

**B**ONGANI uJehova, loku e lungile; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

2 Ma ba tyo abakululiweyo baka Jehova; bona a ba kulula esandhlени sezita.

3 Wa ba buta be vela emihlabeni, empumalanga, na sentyonalanga, na senyakato, na selwandhle.

4 Beduka ehlane enicakalweni yendhlala, a ba fumananga umuzi wokuhlala.

5 Be lambile, bomile, umpefumlo wabo wa dangala.

6 Lapo ba kala kuJehova encingweni yabo; wa ba sindisa ezinhlupekweni zabo.

7 Wa ba hambisa ngendhlala elungileyo, e ya emzini wokuhlala.

8 Ma ba bongwe uJehova ngomusa wake, nemimangaliso yake kubantwana babantu!

9 Ngokuba u ya sutisa umpefumlo ofisayo, nompefumlo olambayo u ya wugwalisa ngokulungileyo.

10 Abahlezi ebumnyameni na setunzini lokufa, aba botyiwe ekuhlupukeni na sensimbini.

11 Ngokuba ba nqaba amazwi aka Tixo, ba dela icebo lOpakamileyo.

12 Wa se e tobisa inhliziyo yabo ngobuhlungu; ba be deengezela, kepa kwa ku ngeko osizayo.

13 Lapo ba kalela kuJehova encingweni yabo, wa ba sindisa ezinhlupekweni zabo.

14 Wa ba kipa ebumnyameni na setunzini lokufa, wa zapula izibopo zabo.

15 Ma ba bongwe uJehova ngomusa wake, nemimangaliso yake kubantwana babantu.

16 Ngokuba wapulile amasango etusi, u nqumile imivalo yensimbi.

17 Bona a ba nobuula ngenxa yezipambeko zabo, na ngokonakalisa kwabo, ba ya hlutywa.

18 Umpefumlo wabo u ya canuka ukudhla konke; ba ya sondela emasangweni okufa.

19 Lapo ba kalela kuJehova encingweni yabo, wa ba sindisa ezihlupekweni zabo.

20 U ya tuna izwi lake, a ba pilise, a ba kulule emigodini yabo.

21 Ma ba bongwe uJehova ngomusa wake, nemimangaliso yake kubantwana babantu.

22 Ma ba nikele iminikelo yokubonga, ba shumayale izenzo zake ngokuhaba kwenjabulo.

23 Bona a beukela elwandhle emikunjini, a behza umsebenzi emanzini amakulu!

24 Laba ba bona izenzo zika Jehova, nemimangaliso yake ekujuleni.

25 Ngokuba, u kuluma, a vuse umoya wesipepo, o fukula amaza ako.

26 Ba yenyukela ezulwini, behlela ekujuleni; umpefumlo wabo u ya nebilika ngenxa yenkatazo.

27 Ba ya zululeka, ba dengezela ngenodakiweyo, ku ya puta konke ukuhlakanipa kwabo.

28 Lapo ba kalela kuJehova encingweni yabo, wa ba sindisa ezinhlupekweni zabo.

29 Wenza isipepo si me ku be kona ukutula; a ti amaza ako a peze.

30 Lapo ba ya jabula ngokuba ba ya hlaliswa; njalo u ya ba hola etekwini lokufisa kwabo.

31 Ma ba bongwe uJehova ngomusa wake, na ngemimangaliso yake kubantwana babantu!

32 Ma ba m pakamise emhlanganweni wabantu, ba m bongwe ekuhlaleni kwamalunga.

33 U ya beka imifula i be ihlane, nemitombo yamanzi i be izwe elonileyo.

34 Umhlabati otelayo u be umunyu, ngenxa yokonakalisa kwabo aba hlezi kuwo.

35 U ya beka ihlane li be isiziba samanzi; nomhlabati o womileyo u be imitombo yamanzi.

36 Na lapo u ya hlalisa kona abalambileyo, ba mise umuzi wokuhlala!

37 Ba lime imihlabati, ba tyale amasimu esinwazi, a senze isitelo senzuzo.

38 Yena u ya ba busisa ba ze bande kakulu, futi a nga ncipisi izinkomo zabo.

39 Ba buya ba ncipe, ba citeke ngokuvinjelwa, nokukatazeka, nomunyu.

40 U ya tele pezu kwabanumuzana ukudelelwa, a bedukise encitakalweni lapo ku ngeko ndhlela.

41 Kanti u ya pakamisa odingayo e puma ebubini, a m bekele imindeni njengezimvu.

42 Abalungileyo ba ya kubona loku ba jabule; okubi konke ko vala umlomo wake.

43 Yena ohlakanipileyo wo qapela loku, a qikelele umusa ka Jehova.

ISIHLABELELO 108.

Igama, Isihlabelelo sika Davida.

**T**IXO inhliziyoyami i qinisekile; ngohlabelela ngi tyaye ugubu ngodumo lwami.

2 Vuka lugubu, nemvunge; ngo vuka ngovivi lokusa.

3 Ngo ku bonga pakati kwabantu, Jehova; ngi hlabelele ngawe ezizweni.

4 Ngokuba umusa wako mkulu kwa nga pezu kwezulu; neqiniso lako li semafwini.

5 Ma u pakame pezu kwezulu, Tixo; nodumo lwako pezu komhlaba wonke.

6 Ukuze otandiveyo wako a sindiswe; sindisa ngesandhla sako sokunene, u ngi lalele.

7 uTixo u kulumile ngobungwele bake; ngi ya kwetaba; ngahlukanise iShekemu, ngi linganise itafa la seSukote.

8 E lami iGiladi; e lami iManasa; iEframi li ngamandhla ekanda lami; iJuda li ngumyalezi wami.

9 iMoabi li imbiza yami yokugeza; ngo tumela pezu kweEdoni isicatulo sami; ngi hube ngenjabulo pezu kwe-Filisti.

10 Ubani o wo ngi holela emzini obiyiweyo? ubani o wo ngi kapela eEdomi?

11 A ngi ti uwe, Tixo, o si lahlileyo? a u yi kupumela emabandhleni etu, Tixo, na?

12 Ma u si nike ukusiza encingweni; ngokuba ku ize ukusindisa komuntu.

13 Ngaye uTixo si ya kwenza ngamandhla; ngokuba u yena o ya ku nyatela pansi izita zetu.

ISIHLABELELO 109.

Kumholi wokuhlabelela, Isihlabelelo sika Davida.

**T**IXO wokubonga kwami, u nga tuli. 2 Ngokuba umlomo womubi, nomlomo wenkohliso u vulile pezu kwami; ba kulumile nami ngolimi lwamanga.

3 Ba ngi zungezile ngamazwi enzondo; ba lwa nami ngeze.

4 Ba tiyana nami esikundhleni sotando lwami; kanti mina ngi ya kupumisa umtandazo.

5 Ba beke pezu kwami okubi esikundhleni sokuhle; nenzondo esikundhleni sotando.

6 Misa omubi pezu kwake, ma keme kwesokunene sake isita.

7 Ekwahlulweni kwake ma ka toliswe icala; nomtandazo wake ma u be isono.

8 Izinsuku zake ma zi be incozana; omunye na ka tabate inkonzo yake.

9 Abantwana bake ma ba be izinkedama; nomkake, umfelokazi.

10 Abantwana bake ma ba ndinde nokundinda, ba panze, ba cele be vela ezincitakalweni zabo.

11 Umtyeleki ma ka babisa ngako konke a nako; nabafo ma ba pange inzuzo yake.

12 Ma ku nga biko kuye o hlala e nomusa; ma ku nga bi ko no haukela izinkedama zake.

13 Izizukulwane zake ma zi nqunywe; na sezizukulwaneni esi landelayo ma li hlangukwe igama lazo.

14 Ububi boyise bake ma bu kunjulwe kuJehova; nesono sika nina ma si nga hlangukwa.

15 Ma ba be pambi kuka Jehova njalo; a ze a nqume ukukunjulwa kwabo enhlabeni.

16 Ngenxa yokuba wa e nga kumbuli ukwenza umusa; wa zingela umuntu ompofu nodingayo; a ze a bubise okatazekileyo enhliziyweni.

17 Njengokuba wa tanda ukutuka, njalo ma ku ze kuye; njengokuba wa e nga tandi ukubusisa, njalo ma ku be kude kuye.

18 Njengokuba wa gqoka ukutuka njengesambato, njalo ma ku ze emibilinini yake njengamanzi, na sematanjeni ake njengamafuta.

19 Ma ku be kuye njengengubo a yematayo, nesibamba a zibopa ngasojalo.

20 Loku ma ku be inkokelo yabahlupibami i vela kuJehova; neyaba kuluma okubi ngompefumlo wami.

21 Kepa, wena, Jehova, Nkosi yami, ma wenze kimi ngenxa yegama lako; ngokuba umusa wako u lungile, ma u ngi sindise.

22 Ngokuba ngi ngonpopfu nodingayo, futi inhliziyi yami i hlatyiwe pakati kwami.

23 Ngi yemuka njengomtunzi owandayo; ngi ya zanyazanyiswa njengomkumbi.

24 Amadolo ami a dangele ngokuzila ukudhla, nenyama yami i putile ukunoua.

25 Futi ngi inhlekiso kubo; ba ngi bona ba geme amakanda abo.

26 Ngi size, Jehova, Tixo wami, ngi sindise ngokomusa wako.

27 Ukuze bazi ukuba loku ku yisandhla sako; wena Jehova, u kwenzile. 28 Ma betuke bona, kanti ma u busise wena; nxa be vuka ma ba jabe bona; kepa ma i jabule inceku yako.

29 Abahlupi bami ma bambate ihlazo; ma ba gqoke ukujaba njengesambato.

30 Ngo m bonga uJehova kakulu ngomlomo wami; ngi m dumise pakati kwabaniingi.

31 Ngokuba wo hlala kwesokunene sodingayo, uku m sindisa kubo aba hlala umpefumlo wake.

ISIHLABELELO 110.

Isihlabelelo sika Davida.

**W**A ti uJehova eNkosini yami; Hlala esandhleni sokunene sami ngi ze ngi beke izita zako zi be isenabelo sezinyawo zako.

2 uJehova wo tuma intonga yamandhla ako i vele eZioni; busa wena pakati kwezita zako.

3 Abantu bako ba ngabavumayo ngosuku lokuhlasele kwako, ezivunulweni zobungewe; esizalweni sokusa; ku kuwe amazolo obutya bako.

4 uJehova u fungile, e nga yi kupe nduka, Wena u ngumteteleli ku ze ku be pakade ngokomkuba ka Melkizedeke.

5 InKosi i sesandhleni sokunene sako; i ya coboza amakosi ngosuku lolaka lwayo.

6 I yahlula ezizweni, i gwalise ngezdumbu, i coboze amakanda pezu komhlaba obanzi.

7 I ya kupuzam emfuleni o sendheleni; ngako yo pakamisa ikanda.

ISIHLABELELO 111.

**D**UMISANI uJehova. Ngi ya kubonga uJehova ngenhliziyi yonke yami

ekuhlanganeni kwabangewe, na semhlanganweni.

2 Imisebenzi ka Jehova mikulu, i funwa ibo bonke aba tokoza ngayo.

3 Ukwenza kwake ku nodumo nobukosi; ukulunga kwake ku mi pakade.

4 U kwenzile ukukunjulwa kwemimangaliso yake; uJehova u nomusa u ya haukela.

5 U ba nika ukudhla aba m esabayo; wo kunibula uvumelwano lwake ku ze ku be pakade.

6 U ba bonisile abantu bake amandhla emisebenzi yake, uku ba nika ifa lezizwe.

7 Imisebenzi yezandhla zake i yiqiniso nokwahlulela; zonke iziyalezelo zake zi qinisele.

8 Zi qinile njalo ku ze ku be pakade, zona zenziwe ngeqiniso na ngokufaneleyo.

9 Wa tumela abantu bake inkululo, wa yaleza uvumelwano lwake ku ze ku be pakade; li ingewele li yesabeka igama lake.

10 Uku m esaba uJehova ku ngukuqala kokuhlakanipa; ukuqonda okuhle ku kubo bonke a ba zenzayo iziyalezelo zake; ukubongwa kwake ku mi pakade.

ISIHLABELELO 112.

**D**UMISANI uJehova. U ya busiswa umuntu o m esaba uJehova; o tokoza kakulu ngeziyalezo zake.

2 Inzalo yake yo ba namaudhla emhlabeni; isizukulwane sabalungileyo si ya kubusiswa.

3 Ingebo nemfuyo i sendhlini yake; ukulunga kwake ku mi pakade.

4 Ku ya pumela kubo abalungileyo ukukanya ebumnyameni, ukuti kuye o nomusa ohaukelayo olungileyo.

5 Umuntu olungileyo u nomusa, u ya tyeleka; wo pasa izindaba zake ngokwahlulela.

6 Impela a ka yi ku zanyazanyiswa ku ze ku be pakade; olungileyo u ya ku ba ekukunjulweni njalo.

7 A ka yi kwesaba ngemibiko emibi; inhliziyi yake i mi, i temba kuJehova.

8 Inhliziyi yake i pasiwe, a ka yi kwesaba; a ze a buke izita zake.

9 U hlakazile, u ba nikele abampofu; ukulunga kwake ku mi ku ze ku be pakade; upondo lwake lu ya kupakama ngodumo.

10 Omubi wo bona, a cunuke; wo gedhla amazinyo ake, a nebilike; ukufisa kwababi ko bubu.

ISIHLABELELO 113.

**D**UMISANI uJehova. Dumisani uJehova nina zineku zika Jehova; ni li dumise igama lika Jehova.

2 Ma li bongwe igama lika Jehova manje ku ze ku be pakade.

3 Ku suke empumalanga ku ze ku be sentyonalanga ma li duniyiswa igama lika Jehova.

4 uJehova u pakene pezu kwezizwe zonke; udumo lwake lu pezu kwenzulu.

5 Ubani o njengoJehova uTixo wetu o zipakamisela ukuhlala.

6 O kotama ukubona ezulwini na semhlabeni!

7 U ya vusa odangeleyo otulini, a pakamise ompofu czaleni.

8 Uku ni hlalisa nezikulu, izikulu zabantu bake.

9 U hlalisa o yinyumbakazi endhlini a be unina wabantwana otokozayo. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 114.

**E**KUPUMENI kuka Israeli Egipite, nendhlu ka Jakobe ebantwini abanolunye ulimi.

2 uJuda wa e kuko oku yingewele kwake, uIsraeli wa e ngumbuso wake.

3 Ulwandhle lwa bona lwa baleka; iJordani la buyiselwa emva.

4 Izintaba zeqa njengezinqama, imimango njengamaewane ezimvu.

5 Wena lulwandhle u nani na ukuba wa baleka? nawe Jordani ukuba u buyiselwe emuva?

6 Nani zintaba ukuba neqa njengezinqama? nani mimango njengamaewane ezimvu?

7 Mhlaba tutumela ebusweni benkosi, ebusweni buka Tixo ka Jakobe.

8 O pendula idwala li be icibi lamanzi, itye eliqinileyo li be untombo wamanzi.

ISIHLABELELO 115.

**U**NGA niki tina, Jehova, u nga niki tina, kodwa egameni lako nika udu-miso ngenxa yomusa wako, na ngenxa yeqiniso lako.

2 Izizwe zi ya kutyo ngani ukuti; U pi po uTixo wabo?

3 Kepa uTixo wetu u sezulwini; wenza konke a ku tandayo.

4 Izitombe zabo zi isiliva negolide, umsebenzi wezandhla zomuntu.

5 Zi nomlomo kepa a zi kulumi; zi namehlo kepa a zi boni.

6 Zi nezinhlebe kepa a zi zwa; zi nempumulo kepa a zi nuki.

7 Zi nezandhla kepa a zi pati; zi nezinyawo kepa a zi hambisi; a zi kulumi empinjeni wazo.

8 Abazenzayo ba ya fana nazo; nabo bonke aba temba kuzo.

9 Israeli, temba wena kuJehova; yena u ngukusiza kwabo nesihlangu sabo.

10 Nina ndhlu ka Aroni, tembani kuJehova; yena u ngukusiza kwabo nesihlangu sabo.

11 Nina e ni m esabayo uJehova tembani kuJehova; yena u ngukusiza kwabo nesihlangu sabo.

12 uJehova u si kumbulile; wo si busisa; wo busisa indhlu ka Israeli, wo busisa indhlu ka Aroni.

13 Wo ba busisa a ba m esabayo uJehova, abancane nabakulu.

14 uJehova u ya kwenzela kini, kinina na kubantwana benu.

15 Ni ya busiswa ngoJehova o wenza izulu nomhlaba.

16 Izulu li izulu lika Jehova; kanti umhlaba wa wu nika abantwana babantu.

17 Abafileyo a ba m dumisi uJehova, ku suke ku lesisikati ku ze ku be pakade. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 116.

**N**GI ya m tanda uJehova, ngokuba u zwile izwi lokuncenga kwami.

2 Ngokuba u ngi pendulele indhlebe yake; ngako ngo ni biza ezinsukwini zonke zami.

3 Izintambo zokufa za ngi zungeza, nemicingo yesheoli ya ngi fumani; nga fumana inhlupeko nokudabuka.

4 Lapo nga biza igama lika Jehova; ngati, Au, Jehova, ngi ya ku ncenga sindisa umpefumulo wami.

5 U nomusa uJehova, u lungile; uTixo wetu u ngohaukelayo.

6 uJehova u ya londa abantulayo; nga katazeka, weza wa ngi sindisa.

7 Mpefumulo wami, buyela ekupumulenikwako; ngokuba uJehova u ku sizile.

8 Ngokuba wena u sindisile umpefumulo wami ekufeni, amehlo ami ezinyembezi, nezinyawo zami ekuweni.

9 Ngo hanba ebusweni buka Jehova ezweni labahleziyo.

10 Be ngi kolwa, ngako nga kuluma; be ngi hlupeka kakulu:

11 Nga ti ekwetukeni kwami, bonke abantu ba namanga.

12 Ngi ya ku buyiselani kuJehova, ngako konke ukwenza kwake okuhle kimi na?

13 Ngo pata umkele wokusindisa, ngi bize igama lika Jehova.

14 Ngo koka izifungo zami manje pambi kwabo bonke abantu bake.

15 Ku yigugu emehlweni ka Jehova ukufa kwabalungileyo.

16 Au Jehova, ngi ineku yako impela; ngi ineku yako, ngi indodana yencekukazi yako; u kululile izibopo zami.

17 Ngo nikela kuwe umnikelo woku-bonga, ngi bize igama lika Jehova.

18 Ngo koka izifungo zami manje pambi kwabo bonke abantu bake.

19 Emagumbini endhlu ka Jehova, pakati kwako, Jerusalema. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 117.

**D**UMISANI uJehova nina zizwe nonke; ni ni babaze nina bantu nonke.

2 Ngokuba umusa wake mkulu kitina; futi iqiniso lika Jehova li hlezi kuze ku be pakade. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 118.

**B**ONGANI uJehova; ngokuba u lungile; ngokuba umusa wake u pakade.

2 A ke a ti uIsraeli, umusa wake u pakade.

3 Ma i tike indhlu ka Aroni, umusa wake u pakade.

4 Bona aba m esabayo uJehova ma ba tike, umusa wake u pakade.

5 Nga m biza uJehova encingweni; uJehova wa ngi lalela wa ngi beka endanweni ebanzi.

6 uJehova u kimi, a ngi yi kwesaba; umuntu a ngenzani kimi na?

7 uJehova u kimi pakati kwaba ngi sizayo; ngo buka abazondi bami.

8 Ku lungile ukupepela kuJehova ku nokutemba umuntu.

9 Ku lungile ukupepela kuJehova ku nokutemba izikulu.

10 Izizwe zonke za ngi zungeza; kepa ngo ba nquma ngegama lika Jehova.

11 Za ngi zungeza; ehe za ngi zungeza, kepa ngo zi nquma ngegama lika Jehova.

12 Za ngi zungeza njengezinyosi; zi cimile njengomlilo wameva, kepa ngo zi nquma ngegama lika Jehova.

13 U ngi kapezile nokukapeza ngi we; kanti uJehova u ngi sizile.

14 uJehova u ngamandhla ami nesihlabelelo sami; futi wo ba ukusindisa kwami.

15 Izwi lokumemeza ngenjabulo, nelokusindiswa li sezindhlini zabalungileyo; isandhla sokunene sika Jehova senza oku namandhla.

16 Isandhla sokunene sika Jehova si pakeme, isandhla sokunene sika Jehova senza oku namandhla.

17 A ngi yi kufa, kanti ngi ya kupila; ngi shumayele izenzo zika Jehova.

18 uJehova u ngi tyayile kakulu; kepa a ka ngi nikelanga ekufeni.

19 Ngi vulele amasango okulunga; ngo ngena kuwo, ngi bonge uJehova.

20 Lelisango lika Jehova, abalungileyo ba ya kungena kulo.

21 Ngo ku bonga; ngokuba u ngi zwile; weza wa ba ukusindiswa kwami.

22 Itye a ba li nqabayayo abaki, la ba inhloko yegumbi.

23 Loku ku be kuJehova; ku ngokumangalisayo emehlweni etu.

24 uJehova wenzile lolusuku; si ya kwetaba si jabule ngalo.

25 Au Jehova, sindisa ngi ya kunge-nga; au Jehova, busisa.

26 U ya busiswa yena ozayo egameni lika Jehova; tina si ni busisile kwa seindhlini ka Jehova.

27 uTixo u nguJehova, futi u kanyisile kitina; bopani inkomo ehlatyiweyo ngemicilo ezimpondweni zelati.

28 Wena u nguTixo wami, ngo ti ngi ku bonge; Tixo wami ngo ku pakamisa.

29 Bongani uJehova ngokuba u lungile; ngokuba umusa wake u pakade.

ISIHLABELELO 119.

**B**A ya busiswa abaqoto endhleleni; a ba hamba emitetweni ka Jehova.

2 Ba ya busiswa bona aba gcina izimemezelo zake; a ba m funa ngenhliziyonke.

3 A ba sebenzi ukonakalisa; ba ya hamba ezindhleleni zake.

4 Wena u si yalezile ukugeina kakulu imiyalo yako.

5 Ku nga zi nga qiniswa izindhlela zami uku gcina izimiso zako!

6 Loku a ngi yi kujaba nxa ngi qapela kuzo zonke iziyalezelo zako.

7 Ngo ku bonga ngobuqoto benhliziyonke, loku ngi ya kuba se ngi fundile izahlulelo zako ezilungileyo.

8 Ngo londa izimiso zako; ma u nga ngi shiyi impela.  
 9 Omutya a nga hlanza kanjani ukuhamba kwake na? ngokuqapela okwezwi lako.  
 10 Ngi ku funile ngenhliziyo yonke yami; ma ngi nga pambuki eziyalezelweni zako.  
 11 Izwi lako ngi li fihlile enhliziyweni yami, ngi nga ze ngi kone.  
 12 Ma u bongwe wena Jehova; ngi fundise izimiso zako.  
 13 Ngi shumayele izahlulelo zonke zomlomo wako ngezindebe zami.  
 14 Ngetabile endhleleni yezimemezeloko; njengasengebweni yonke.  
 15 Ngo zindhla imiyalo yako; ngi qapele imikondo yako.  
 16 Ngi ya kutokoza ezimisweni zako; a ngi yi kukohlwa izwi lako.  
 17 Yenzela inceku yako okuhle, ngi ze ngi pile, ngi londe izwi lako.  
 18 Vula amehlo ami, ngi bone okumangalisayo oku vela emtetweni wako.  
 19 Ngi ngumfokazi emhlabeni; ma u nga ngi fihleli iziyalezelo zako.  
 20 Umpefumlo wami wapukile ngokunxanela izahlulelo zako, ngezikati zonke.  
 21 Wena u tetisile abazidhlayo, abatu-kiweyo, aba cezuka eziyalezweni zako.  
 22 Susa pezu kwami ukujaba nokudlwa; ngokuba ngi geinile izimemezeloko zako.  
 23 Izikulu za hlala za kulumisana ngami; kepa inceku yako ya zindhla izimiso zako.  
 24 Izimemezeloko zako zi ukwetabisa kwami, zi ngamadoda a ngi qondisayo.  
 25 Umpefumlo wami u ya namatela otulini; ngi pilise ngokwezwi lako.  
 26 Nga bika izindhlela zami, wena wa ngi lalela; ma u ngi fundise izimiso zako.  
 27 Ngi qondise indhlela yemiyalo yako; ngi ya kuzindhla ngemimangaliso yako.  
 28 Umpefumlo wami u ya kala ngokudabuka, ngi lulamise ngokwezwi lako.  
 29 Dedisa kimi indhlela yamanga; u ngi nike ngomusa umteto wako.  
 30 Ngi ketile indhlela yeqiniso; ngi bambile izahlulelo zako.  
 31 Ngi namatele ezimemezelweni zako; Jehova, u nga ngi jabisi.  
 32 Ngo gijima endhleleni yeziyalezelo zako, yenza i be banzi inhliziyoyami.  
 33 Jehova ngi fundise indhlela yezi-

miso zako, ngo yi geina kahle ku ze ku be sekupeleni.  
 34 Ma u ngazisise, lapo ngo geina umteto wako; ngo wu londa isibili ngenhliziyo yonke yami.  
 35 Ngi hambise emkondweni weziyalezelo zako; ngokuba ngi ya jabula kuwo.  
 36 Bhekisa inhliziyoyami ezimemezelweni zako, i nga bheki ekupangeni.  
 37 Pendula amehlo ami a nga boni ize; u ngi pilise endhleleni.  
 38 Ma u misele inceku yako izwi lako e yesaba wena.  
 39 Dhlulisa ukujeziswa kwami e ngi kwesabayoy; ngokuba izahlulelo zako zi lungile.  
 40 Bheka ngi ya fisa imiyalo yako; ngi pilise ekulungeni kwako.  
 41 Ma u ze kimi umusa wako, Jehova; nokusindisa kwako ngokwezwi lako.  
 42 Ko ti ngi m pendule o ngi jezisayo ngoto; ngokuba be ngi temba ezwini lako.  
 43 Ma u nga susi impela izwi leqiniso emlonyeni wami; ngokuba be ngi temba ezahlulelweni zako.  
 44 Ko ti ngi londe umteto wako njalo ku ze ku be pakuda ngezikati.  
 45 Ngo hamba ebubanzini; ngokuba ngi ya funda imiyalo yako.  
 46 Ngi ya kushumayela ngezimemezeloko pambi kwamakosi, ngi nga bi namahloni.  
 47 Mina ngo jabula eziyalezelweni zako, e ngi zi tandileyo.  
 48 Ngo pakamisa izandhla zami eziyalezelweni zako; e ngi zi tandileyo; ngi zindhle imiyalo yako.  
 49 Kumbula izwi lako incekwini yako, o wa ngi tembisa ngalo.  
 50 I lesi isiduduzo sami ekulhlopekeni kwami; ngokuba izwi lako li ngi pilisile.  
 51 Abazidhlayo ba ngi hlekile kakulu; kepa a ngi cezukanga emtvetweni wako.  
 52 Be ngi kumbula izahlulelo zako zamandulo, Jehova; ngi zi duduzile futi.  
 53 Ukuvuta kolaka ku ngi bambile ngenxa yababi aba shiyayo umteto wako.  
 54 Izimiso zako za zi isihlabelelo sami endhlini yokuhlala kwami.  
 55 Be ngi kumbula igama lako, Jehova, ebusuku, futi ngi geinile umteto wako.  
 56 Nga ba naku loku, ngokuba nga geina imiyalo yako.

57 Wena u ifa lami, Jehova, be ngi ti, ngo londa izwi lako.

58 Be ngi ncenga ubuso bako ngenhli-ziyo yonke yami; ngi haukele ngokwezwi lako.

59 Nga zindhla ngezindhlela zami, nga pendulela izinyawo zami ezimemezeleni zako.

60 Nga tyetya, a nga libala ukulonda iziyalezelo zako.

61 Izitiyo zababi zi ngi haqile; kepa a ngi kohlwa umteto wako.

62 Ngo vuka pakati kobusuku uku ku bonga; ngenxa yezahlulo zako ezilungileyo.

63 Ngi ngumgane wabo bonke a ba kwesabayo, nabo abalondi bemiyalo yako.

64 Umhlaba u gwele umusa wako, Jehova; ngi fundise izimiso zako.

65 Wenzele inceku yako okuhle, Jehova, ngokwezwi lako.

66 Ngi fundise ukuqonda okulungileyo, nokwazi; ngokuba ngetemba eziyalezeleni zako.

67 Ngi nga ka totyiswa ngeduka; kepa manje se ngi londa izwi lako.

68 Wena u lungile, wenza okulungileyo; ngi fundise izimiso zako.

69 Abazidhlayo ba qambile amanga ngami; kepa mina ngo gcina imiyalo yako ngenhliziyo yonke.

70 Inhliziyo yabo i nonile njengamafuta; kepa ngi jabula ngomteto wako.

71 Ku ngi lungele ukuhlutywa; ngi ze ngi funde izimemezelo zako.

72 Umteto womlomo wako u ngi lungele ku nezinkulwane zegolide nesiliva.

73 Izandhla zako zi ngenzile zi ngi dabile; ngi qondise ngi ze ngi funde iziyalezelo zako.

74 Abakwesabayo ba ya kungibona ba jabule; ngokuba ngetemba ezwini lako.

75 Ngi yazi, Jehova, ukuba izahlulelo zako zi lungile; u ngi hlupile ngokukoleka.

76 Umusa wako manje ma u be isiduzo sami, njengezwi lako encekwini yako.

77 Ububele bako ma bu ze kimi, ngi ze ngi pile; ngokuba umteto wako u intokoziso yami.

78 Abazidhlayo ma ba jabe; ngokuba ba ngi pambukisa ngeze; kepa mina ngo zindhla ngemiyalo yako.

79 Abakwesabayo ma ba buyele kuwe, nabazi imiyalo yako.

80 Inhliziyo yami ma i be nobuqoto ezimisweni zako; ukuze ngi nga jabi.

81 Umpefumlo wami u ya pela ngokuswela ukusindisa kwako; kepa ngetemba ezwini lako.

82 Amehlo ami a ya pela ngokuswela izwi lako, a ti, u ya kungitokozisa nini na?

83 Ngokuba ngi njengegaba emusini; kepa a ngi kohlwa izimiso zako.

84 Izinsuku zenekuku yako zi ngapi na? u ya kuba hlulela nini aba ngi zingelayo na?

85 Abazidhlayo ba ngi m bele imigodi, e nge siyo e yomteto wako.

86 Iziyalezelo zako zonke zi ukukoleka; ngi size ba ya ngi zingela ngi nge nacala.

87 Ba cityu uku ngi qeda emhlabeni; kepa a ngi shiyanga imiyalo yako.

88 Ngi pilise ngokomusa wako; ngi ya kulonda izimemezelo zomlomo wako.

89 Ku ngunapakade, Jehova, izwi lako li mi ezulwini.

90 Ukukoleka kwako ku sezizukulwane nezizukulwane: wena u misile umhlaba, u mi.

91 Ku se mi na namhla ngokwezimiso zako; ngokuba konke ku izinceku zako.

92 Uma umteto wako u be u nge siyo intokozo yami, nga ngi bubile ekuhlupeni kwami.

93 A ngi yi kukohlwa imiyalo yako napakade; ngokuba u ngi pilisile ngayo.

94 Ngi ngowako, ngi sindise; ngokuba ngi ya yi funa imiyalo yako.

95 Ababi ba hlalele uku ngi bubisa, kepa ngi ya kuqonda izimemezelo zako.

96 Ngi bonile ukugeina kokupelela konke; isiyalezelo sako si banzi kakulu.

97 Ngi wu tanda umteto wako kangaka! wona u ukuzindhla kwami usuku lonke.

98 Wena u ngi hlakanipisile ngeziyalezelo zako ku nezita zami; ngokuba ku se kona kimi pakade.

99 Ngi hlakanipile ku nabafundisi bonke bami; ngokuba izimemezelo zako zi ukuzindhla kwami.

100 Ngi qondile ku nabadala, ngokuba ngi londa imiyalo yako.

101 Ngi zi vimbele izinyawo zami ku- zo zonke izindhlela ezinibi, ngi ze ngi londe izwi lako.

102 A ngi dedanga ezahlulweni zako; ngokuba wena u ngi fundisile.

103 Amnandi kangaka amazwi ako ekuzweni kwami! amnandi nga pezu kwezinyosi emlonyeni wami!

104 Ngi ya kuzua ukuqonda ngemiyalo yako; ngako ngi ya zonda izindhlela zonke zamanga.

105 Izwi lako li isibani ezinyaweni zami, nenkanyiso endhlени yami.

106 Ngi fungile, ngi ya kuqinisa ukulonda izahlulelo zako ezilungileyo.

107 Ngi hlupekile kakulu; ngi pilise, Jehova, ngokwezwi lako.

108 Yamkela manje, Jehova, isipo somlomo wami, u ngi fundise izahlulelo zako.

109 Umpefumlo wami u sesandhlени sami njalo; noko a ngi kohlwa umteto wako.

110 Ababi ba ngi bekele isihibe; noko a ngedukanga emiyalweni yako.

111 Ngi dhlile ifa lezimemezelo zako njalo; ngokuba zi injabuliso yenhliziyoyami.

112 Ngi bekisisile inhliziyoyami ukwenza iziyalezelo zako njalo, ku ze ku be sekupeleni.

113 Ngi ya ba zonda abanhliziyombili; kepa ngi ya tanda umteto wako.

114 Wena u yisipepelo sami nesihlangu sami; ngetemba ezwini lako.

115 Dedani kimi nina abenza okubi; ngokuba ngo londa iziyalezelo zika Tixo wami.

116 Ngi pase ngokwezwi lako, ngi pile; ma ngi nga jabi ngetemba lami.

117 Ngi qinise, ngi ya kusindiswa; ngo bheka ezimisweni zako njalo.

118 Wena weyisa bonke aba pambuka ezimisweni zako; ngokuba inkohliso yabo i ngamanga.

119 U ya susa ababi bonke bomhlaba njengamanyela, ngako ngi ya tanda izimemezelo zako.

120 Inyama yami i ya tutumela ngokwetuka wena; futi ngi ya zesaba nezahlulelo zako.

121 Ngenze ukwahlula nokulunga; u nga ngi shiyi kubo abahluphi bami.

122 Ma u mele ineeuku yako ngokuhle; abazidhlayo ma ba nga ngi hlupi.

123 Amehlo ami a ya pela ngokuswela ukusindisa kwako, nezwi lako elilungileyo.

124 Yenza encekwini yako ngomusa wako; u ngi fundise iziyalezelo zako.

125 Mina ngi ineeuku yako; ngi qondise, ngi zazi izimemezelo zako.

126 Se ku isikati sokwenza, Jehova; ngokuba ba wapulile umteto wako.

127 Ngako ngi tande iziyalezelo zako nga pezu kwegolide; na nga pezu kwegolide eliketiweyo.

128 Ngako ngi ya vuma ukuba imiyalo yonke yako i lungile ngako konke; ngi ya zonda imikondo yonke yamanga.

129 Izimemezelo zako zi ya mangalisa; ngako umpefumlo wami u ya zi londa.

130 Ukupenya kwezwi lako ku ya kanyisa; ku qondisa abantulayo.

131 Nga kamisa umlomo wami, nga kufuzela; ngokuba nga nxanela iziyalezelo zako.

132 Bheka kimi, u ngi haukele njengokomkuba wabatanda igama lako.

133 Qondisa ukunyatela kwami ezwini lako; ma bu nga ngi busi ububi nobo bodwa.

134 Ngi kulule ekuhlupeni kwabantu; njalo ngo geina imiyalo yako.

135 Kanyisa ubuso bako encekwini yako; u ngi fundise izimiso zako.

136 Imifula yamanzi i yehla emehlweni ami ngokuba a ba geini umteto wako.

137 U lungile wena, Jehova, nezahlulelo zako zi qondile.

138 Izimemezelo zako o zi yalezileyo zi lungile zi qinisile kakulu.

139 Ukuvuta kolaka lwami ku ngi qedile, ngokuba izita zami zi kohliwe amazwi ako.

140 Izwi lako li hlanzekile kakulu, ngako ineeuku yako i ya li tanda.

141 Mina ngi mncane ngi deliwe; noko a ngi kohlwa imiyalo yako.

142 Ukulunga kwako ku ukulunga oku ngunapakade; umteto wako u yiqiniso.

143 Ukucinga nokuhlupеka ku ngi fumene; kepa iziyalezelo zako zi yizinjabuliso zami.

144 Ukulunga kwezimemezelo zako ku ngunapakade; ngi qondise, ngi pile.

145 Se loku nga kala ngenhliziyoyonke; ngi zwe, Jehova; ngi ya kugeina izimiso zako.

146 Nga ku kalela; ngi sindise, ngi ya kulonda izimemezelo zako.

147 Ngandulela uvivi lokusa, nga kala, be ngi temba ezwini lako.

148 Amehlo ami a ya qalela imilindo yobusuku ukuzindhla ezwini lako.

149 Yizwa izwi lami ngokomusa wako; Jehova, ngi haukele ngokwahlulela kwako.



150 Ba ya sondela aba landela ukonakalisa; ba kude nomteto wako.

151 Wena u seduze, Jehova; futi zonke iziyalezelo zako zi iqiniso.

152 Ngi be ngi zazi na sendulo izimezezo zako, ukuba u zi sekele zi hlale pakade.

153 Bona ukukatazeka kwami, u ngi sindise; ngokuba a ngi kohlwa umteto wako.

154 Pikisa okupikisana nami, u ngi kulule; ngi pilise ezwini lako.

155 Ukusindiswa ku kude nababi; ngokuba a ba funi izimezezo zako.

156 Ububele bako bu ningi, Jehova; ngi pilise ngokwezehlulo zako.

157 Ba ningi aba ngi hlupayo nezita zami; kepa a ngi suki eziyalezweni zako.

158 Nga bona abakohlisayo, nga nengwa; ngokuba a ba londanga izwi lako.

159 Bheka ngi ya yi tauda imiyalo yako; Jehova, ma u ngi pilise ngokomusa wako.

160 Isisusa sezwi lako si iqiniso; futi zonke izahlulelo zako ezilungileyo zi hlezi ku ze ku be pakade.

161 Izikulu zi ngi zingele ngi nge naca; kepa inhliziyo yami i yesaba ngezwi lako.

162 Ngi jabula ngezwi lako, njengofumene impango eningi.

163 Ngi ya zonda ngi nengwa amanga; kepa ngi ya tanda umteto wako.

164 Ngi ya kudumisa kakombisa ngosuku ngenxa yezahlulelo zako zokulungwa kwako.

165 Ba nokutula okukulu abatandi bomteto wako; akuko isikubekiso kubona.

166 Jehova, be ngi temba ekusindiseni kwako; ngenze iziyalezelo zako.

167 Umpefumlo wami u londile izimezezo zako; ngi ya zi tanda kakulu.

168 Ngi geinile imiyalo yako nezimezezo zako; ngokuba izindhlela zonke zami zi panbi kwako.

169 Ukukala kwami ma ku sondele ebusweni bako, Jehova; ngi qondise ngokwezwi lako.

170 Ukuncenga kwami ma ku ze ebusweni bako; ngi sindise ngokwezwi lako.

171 Izindebe zami zo tele isibongo, loku u ngi fundisile izimiso zako.

172 Ulimi lwami lo kuluma izwi lako;

ngokuba iziyalezelo zako zonke zi ukulunga.

173 Isandhla sako sokunene ma si be ukusiza kwami ngokuba ngi ketile imiyalo yako.

174 Be ngi nxanele ukusindisa kwako Jehova; nomteto wako u injabuliso yami.

175 Umpefumlo wami ma u pile, u ya ku ku bonga; izahlulo zako ma zi ngi size.

176 Ngeduka njengemvu elahlekileyo; funa inceku yako; ngokuba a ngi kohlwa iziyalezelo zako.

ISIHLABELELO 120.

Igama lokukupuka.

**E**KUHLUPEKENI kwami nga kala kuJehova, yena wa ngi zwa.

2 Jehova, sindisa umpefumlo wami, ezindebeni zamanga.

3 Ulimi lwenkohliso lu ya kukunika ni? lu ya kwenezelani kuwe na?

4 Imisebe ebukali yeqawe, namalahle a vutayo omunga.

5 Au mina, ngokuba ngi hlezi eMesheke, na ngokuba ngi hlala ematenteni a seKedari!

6 Umpefumlo wami u hlezi kade naye o zonda ukutula.

7 Ngi ngo wokutula mina; kanti uma ngi kuluma, bona ba funa ukulwa.

ISIHLABELELO 121.

Igama lokukupuka.

**N**GO pakamisa amehlo ami ezintabeni, ukusiza kwami ko velapi na?

2 Ukusiza kwami ku kuye uJehova, o wenzile izulu nomhlaba.

3 Yena a ka yi kuvuma ukuba unyawo lwako lu tyelele; yena o ku tandayo a ka yi kozela.

4 Bheka yena o londa uIsraeli a ka yi kozela, a ka lali.

5 uJehova u ngumlondi wako, umtunzi wako esandhlani sako sokunene.

6 Ilanga a li yi kukutyaya emini, nenyanga ebusuku.

7 uJehova wo ku londoloza ebubini bonke; yena wo londoloza umpefumlo wako.

8 uJehova wo londa ukupuma kwako nokungena kwako manje ku ze ku be pakade.

ISIHLABELELO 122.

Igama lokukupuka nguDavidi.

**N**GA jabula lapo be ti kimi, Ma si ye endhlini ka Jehova.

2 Izinyawo zetu za zi mi emasangweni ako, Jerusalema.

3 Wena Jerusalema, o wakiwe nje-ngomuzi o hlangeuyo ngokwawo.

4 Lapo imindeni i kupukela kona, imindeni ka Jehova, ngezimemezelo kuIsraeli, ukubonga igama lika Jehova.

5 Lapa ku miswe izihlalo zokwahlula izihlalo zendhlu ka Davida.

6 Celani ukutula kwa seJerusalema; ba ya kuhlala kahle aba ku tandayo.

7 Ma ku be kona ukutula ezindongeni zako; nokuhlala kahle ezinqabeni zako.

8 Ngenxa yabafo wetu nabangane bami ngi ya kuti manje, Ma ku be kona ukutula kuwe.

9 Ngenxa yendhlu ka Jehova uTixo wetu ngo ku funela okuhle.

ISIHLABELELO 123.

Igama lokukupuka.

**A**MEHLO ami ngi ya wa pakamisela kuwe, Wena o hlezi ezulwini.

2 Bheka njengamehlo enecku esandhleni samakosi ayo, na njengamehlo eneckukazi esandhleni senkosikazi yayo! ka njalo amehlo etu a kuye uJehova uTixo wetu, a ze a si haukele.

3 Si haukele Jehova, si haukele; ngokuba si gewele kakulu ukudelwa.

4 Umpefumlo wetu u gewele kakulu ukuhleka kwabo abanotileyo nokudela kwabazidlalayo.

ISIHLABELELO 124.

Igama lokukupuka nguDavida.

**U**MA kwa ku nge siye uJehova o be kitina, ma ku ti uIsraeli;

2 Uma kwa ku nge siye uJehova o be kitina ekuvukeni kwabantu pezu kwetu:

3 Lapo nga ba si gwinya si zwa ekuvuteni kolaka lwabo kitina.

4 Lapo amanzi a hamba pezu kwetu, umsinga wa hamba pezu kompefumlo wetu.

5 Lapo amanzi akukulayo a hamba pezu kompefumlo wami.

6 Ka bongwe uJehova, o nga si nikelanga si be impango emazinweni abo.

7 Umpefumlo wetu u punyukile ngenyoni esihibeni somtiyi; isihibe sapukile, tina si punyukile.

8 Ukusizwa kwetu ku segameni lika Jehova o wenza izulu nomhlaba.

ISIHLABELELO 125.

**B**ONA a betemba kuJehova ba nje- ngentaba iZioni e nge nakuzanya- zanyiswa, i hlezi pakade.

2 Njengezintaba ezi zungeza iJerusalema, njalo uJehova u ya zungeza abantu bake, kuloku ku ze ku be pakade.

3 Ngokuba intonga yababi a i yi kuhlala pezu kwesabelo sabalungileyo, funa abalungileyo ba beke izandhla zabo kokubi.

4 Jehova, ma wenze okuhle kubona abalungileyo, na kubo abaqoto ezinhliziyweni zabo.

5 Kepa bona aba pambuka ngezindhlela zabo ezi sontekileyo, uJehova wo ba hambisa kanye nabenza okubi; kepa ukutula ko ba pezu kuka Israeli.

ISIHLABELELO 126.

Igama lokukupuka.

**E**KUBUYISENI kuka Jehova okwa- tunjwayo eZioni; sa si njengabapupayo.

2 Lapo umlomo wetu wa u gewele ukuhleka, nolimi lwetu lwa lu huba ngenjabulo; lapo ba ti abezwe, uJehova u benzele okukulu.

3 uJehova u senzele okukulu; si ya jabula tina.

4 Buyisa, Jehova, ukutunjwa kwetu njengemifuta ya seningizimu.

5 Bona aba hlwanyela ngezinyembezi ba ya kuvuna be huba ngenjabulo.

6 Yena o hambayo e lila e pete imbeu e hlwanyela wo buya ngehubo lenjabulo, e pete izinyanda zake.

ISIHLABELELO 127.

Igama lokukupuka nguSolomona.

**U**MA uJehova e ngaki indhlu, ba ya kutalela ize abakayo: uma uJehova e nga londolozu umuzi, o wu geinayo u linda ize.

2 Ku ize kini e ni pangisa ukuvuka ekuseni, ni libale ukuhlala pansi, ni dhle isinkwa sokukutala; njalo u ya nika otandekayo wake ubutongo.

3 Bheka, abantwana ba ifa e li vela kuJehova; isitelo sesisu si umyuzo.

4 Njengemisebe esandhleni seqawe; ba njalo abantwana bobutya.

5 I ya busiswa indoda e gewalise umgodhla wayo ngabo; a i yi kujaba, ngokuba i ya kukuluma nezita esangweni.

IZIHLABELELO 128.

Igama lokukupuka.

**B**A ya busiswa bonke aba m esabayo uJehova, be hamba ezindhleleni zake.

2 Ngokuba u ya kudhla umsebenzi wezandhla zako; wo busiswa ku be kuhle kuwe.

3 Umkako wo ba njengesinwazi esilanzayo ezinhlanguhini zendhlu yako: abantwana bako bo ba njengezitombo zomhlwati ekuzungezeni kwetebula lako.

4 Bheka, ukuba ku njalo lendoda i ya kubusiswa e mesabayo uJehova.

5 uJehova ma ka ku busise ku vele eZioni ma u bheke enhlanhlani ya se-Jerusalem izinsuku zonke zokupila kwako.

6 U bone abantwana babantwana bako; nako ukutula pezu kuka Israeli.

IZIHLABELELO 129.

Igama lokukupuka.

**M**A ka tyo uIsraeli ukuti, Kaningi ba ngi hlupile ku suke ebutyeni bami.

2 Kaningi ba ngi hlupile ku suke ebutyeni bami; noko a ba ngahlulanga.

3 Abalimayo ba lima emhlana wami, benze i be mide imisele yabo.

4 uJehova u lungile; u nqumile izibopo zababi.

5 Ma ba jabiswe ba buyiselwe emuva bonke a ba zonda iZioni.

6 Ma ba be njengotyani opahlani o bu bunayo bu nga ka sityulwa:

7 Osikayo a ka nga gwalisi isandhla sake ngabo nobopayo izitungu a gwalisi izingalo zake.

8 Nabadhlulayo a ba nga tyo, ukuti, Ubusiso luka Jehova ma lu be pezu kwenu; si ya ni bonga egameni lika Jehova.

IZIHLABELELO 130.

**N**GA kalela wena Jehova, ngi sekujuleni pansi.

2 Nkosi yizwa izwi lami; izindhlebe zako ma zi lalele izwi lokuncenga kwami.

3 Uma wena, Jehova, u linda izipambeko; Nkosi ubani o ya kuma na?

4 Kepa uyekelo lu kuwe, ukuze wesitye.

5 Nga ngi m bheka uJehova, umpfumlo wami u ya bheka, mina ngi yetemba izwi lake.

6 Umpfumlo wami u linda i Nkosi ku nabo a ba lindayo be linda ukusa.

7 uIsraeli ketembe kuJehova, ngo-

kuba umusa u kuJehova, kukuye nokukulula okuvamayo.

8 Yena wo kulula uIsraeli ezipambekweni zake.

IZIHLABELELO 131.

Igama lokukupuka, ngoDavida.

**J**HOVA, inhliziyi yami a i fukuki, namehlo ami a ka pakami; a ngi yi ezindabeni ezinkulu nezimangalisayo ezi nga pezu kwami.

2 Kanti ngi duduzile ngi tulisile umpfumlo wami njengolunyuliweyo ku nina; umpfumlo wami u njengolunyuliweyo.

3 uIsraeli ketembe kuJehova, na manje ku ze ku be pakade.

IZIHLABELELO 132.

Igama lokukupuka.

**J**HOVA, ma u m kumbulela uDavida, izinhlupeko zonke zake.

2 O wa funga kuye uJehova, wa zibambisa kuye O namandhla ka Jakobe, e ti,

3 A ngi yi kungena endhlini yokuhlala kwami, a ngi yi kwenyukela embedeni wami;

4 A ngi yi kunika amehlo ami ubuto-ngo; nezinkope zami ukozela.

5 Ngi ze ngi m fumanele uJehova indawo, O namandhla ka Jakobe izindhlu.

6 Bheka, sa ku zwa Efrata, sa yi fuma- na emihlabatini yehlati.

7 Si ya kungena ezindhlini zake, si kotamele esenabelweni sezinyawo zake.

8 Vuka, Jehova, u ye ekupumuleni kwako; wena nompongolo wamandhla ako.

9 Abateteleli bako ma bambate ukulunga; bona abalungileyo bako ma ba meze ngenjabulo.

10 Ngenxa ka Davida inceku yako; u nga penduli ubuso bako kuye ogcoty- weyo wako.

11 uJehova u fungile kuDavida ngeqiniso, a ka yi kupenduka kuko; Ngesitelo sesisu sako ngo misa isihlalo sako sobukosi.

12 Uma abantwana bako be gcina uvumelwano lwami, nezimemezelo zami, e ngi ya ku ba fundisa zona; nabantwana babo ba ya kuhlala esihlalweni sako sobukosi ku ze ku be pakade.

13 Ngokuba uJehova u ketele iZioni; u li funile li be indawo yake yokuhlala.

14 Leli li ukupumula kwami ku ze ku

be pakade; ngo hlala lapa; ngokuba ngi li funile.

15 Ngo busisa kakulu ukudhla kwalo; ngi sutise abampofu balo isinkwa.

16 Ngi ya kwambatisa abateteleli balo ukusindiswa; nabalungileyo balo ba ya kububa kakulu ngenjabulo.

17 Lapo ngo hlukanisa upondo luka Davida; ngi misele ogcotyiweyo wami isibani.

18 Ngi ya kwambatisa izita zake ngokujaba; kepa umqele wake, wo kazi-mula pezu kwake.

ISIHLABELELO 133.

Isihlabelelo sokukupuka ngoDavida.

**B**HEKA, kuhle kangaka, kumnandi kangaka ukuhlala kwabazalwane, be banye.

2 Ku njengamafuta amnandi pezu kwekanda, ehla ezindeveni zika Aroni; ehlela nasemqaleni wezambato zake.

3 Njengombete wa seHermoni, o wehlela ezintabeni za seZioni; ngokuba lapa uJehova wa yalezela ubusiso; olu ubomi obu ngunapakade.

ISIHLABELELO 134.

Isihlabelelo sokukupuka.

**B**HEKA, bongani uJehova nina zinceda ku zika Jehova, e ni mi endhlini ka Jehova ebusuku.

2 Pakamisani izandhla zenu ezihlauze-kileyo, ni m bongwe uJehova.

3 uJehova o wenzile izulu nomhlaba ma ka ku busise ngoku vela eZioni.

ISIHLABELELO 135.

**D**UMISANI uJehova. Dumisani igama lika Jehova; mu dumiseni nina zinceda zika Jehova.

2 Nina e ni mi endhlini ka Jehova, emagumbini endhlu ka Tixo wetu,

3 Dumisani uJehova, ngokuba uJehova u lungile; ni hlabelele ngalo igama lake; ngokuba li mnandi.

4 Ngokuba uJehova u ziketele uJakobe, noIsraeli ba be imfuyo yake.

5 Ngokuba ngi yazi ukuba uJehova mkulu, futi iNkosi e pezu kwezitixo zonke.

6 Konke uJehova a ku tandayo, u kwenzile ezulwini, nasemhlabeni, pakati kwezilwandhle, na sezindaweni zonke ezi julileyo.

7 Wenyusa inkwezane emikaulweni yomhlaba, wenzele imvula, ubane, u pumisa umoya ezinyangweni zake.

8 O wa tyaya amazibulo a sEgipite, awabantu kanye nawezilwane.

9 Wa tuma iziboniso nemimangaliso pakati kwako Egipite, pezu kuka Faro nezinecku zonke zake.

10 O wa tyaya izizwe eziningi, wa hlala amakosi a namandhla!

11 uSihoni inkosi yamaAmori, noHogi inkosi ya seBashani, namakosi onke a seKanani.

12 Izwi labo, wa lenza ifa, ifa lika Israeli, isizwe sake.

13 Jehova, igama lako li pakade; Jehova, ukukunjulwa kwako ku sezizukulwaneni nezizukulwane.

14 Ngokuba uJehova u ya kwahlula abantu bake; a haukele inecku yake.

15 Izitombe zezizwe zi isiliva negolide, umsebenzi wezandhla zabantu.

16 U kona umlomo kuzo, kepa a zi kulumi; a kona amehlo kuzo, kepa a zi boni.

17 Zi kona izindhlebe kuzo, kepa a zi zwa: awuko umoya emlonyeni wazo.

18 Bona a ba zenzayo ba ya fana nazo; nabo bonke aba temba kuzo.

19 Ndhlu ka Israeli, mu bongeni uJehova; ndhlu ka Aroni mu bongeni uJehova.

20 Ndhlu ka Levi, mu bongeni uJehova; nina e ni mi esaba uJehova, mu bongeni uJehova.

21 Ka bongwe uJehova eZioni, o hlezi eJerusalem. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 136.

**B**ONGANI uJehova ngokuba u lungile; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

2 Bongani uTixo wotixo; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

3 Bongani iNkosi yamakosi; ngokuba umusa wayo u hlezi pakade.

4 O wenza imimangaliso emikulu yedwa; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

5 O wenza izulu ngokuqonda; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

6 O wendhlala umhlabati pezu kwamanzi ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

7 O wenza izinkanyiso ezinkulu; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

8 Ilanga ukutubusa imini; ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

9 Inyanga nezinkanyezi ukubusa ubusuku, ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

10 O wa tyaya abasEgipite ngamazibu-  
lo abo; ngokuba umusa wake u hlezi  
pakade.

11 Kefa wa kipa uIsraeli pakati kwabo;  
ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

12 Ngesandhla esi namandhla nengalo  
eyoluliweyo; ngokuba umusa wake u  
hlezi pakade.

13 O wa hlukanisa ulwandhle olubo-  
mvu lu be izingamu; ngokuba umusa  
wake u hlezi pakade.

14 Wa welisa uIsraeli pakati kwalo;  
ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

15 Kefa wa m tuntutela elwandhle  
olubomu uFaro nempi yake; ngokuba  
umusa wake u hlezi pakade.

16 O wa e hola abantu bake ehlane;  
ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

17 O wa tyaya amakosi amakulu; ngo-  
kuba umusa wake u hlezi pakade.

18 Wa bulala amakosi a namandhla;  
ngokuba umusa wake u hlezi pakade:

19 uSihoni inkosi yamaAmori; ngo-  
kuba umusa wake u hlezi pakade:

20 NoHogi inkosi ya seBashane; ngo-  
kuba umusa wake u hlezi pakade.

21 Wenza izwe labo li be ifa: ngokuba  
umusa wake u hlezi pakade.

22 Ifa kuIsraeli inceku yake; ngoku-  
ba umusa wake u hlezi pakade.

23 O wa si kumbula ekutobekeni kwe-  
tu; ngokuba umusa wake u hlezi pa-  
kade.

24 O wa si kulula eziteni zetu; ngoku-  
ba umusa wake u hlezi pakade.

25 O nika inyama yonke ukudhla;  
ngokuba umusa wake u hlezi pakade.

26 Bongani uTixo wezulu; ngokuba  
umusa wake u hlezi pakade.

IZIHLABELELO 137.

**N**NGASEMIFULENI ya seBabulona,  
lapo sa hlala pansi, sa lila futi; eku-  
kumbuleni kwetu iZioni.

2 Sa panyeka izingubu zetu eminyeza-  
neni pakati kwalo.

3 Ngokuba lapo aba si tumbayo ba funa  
kitina amazwi egama; futi aba si kata-  
zayo ba funa ukwenama, be ti, Si hlabe-  
leleni igama la seZioni.

4 So hlabelela kanjani igama lika Je-  
hova ezweni lezizwe na?

5 Uma ngi ku kohlwa, Jerusalema, isa-  
ndhla sami sokunene ma si kohlwe.

6 Ulimi lwami ma lu namatele olwa-  
ngeni lwami, una ngi nga ku kumbuli;  
uma ngi nga li tandi iJerusalema nga  
pezu kwenjabulo yami enkulu.

7 Kumbula, Jehova, abantwana ba  
sEdomi ngosuku lweJerusalema, aba ti  
Li hlakazeni, li hlakazeni ku ze ku be  
sesisekelweni salo.

8 Ndodakazi ya seBabulona u ya kuci-  
twa; wo busiswa yena o kwenzela isa-  
belo o sabele tina.

9 Wo busiswa yena o hamba a coboze  
izingane zako etyeni.

IZIHLABELELO 138.

**N**NGO ku bonga ngenhliziyo yonke ya-  
mi, pambi kotixo ngo hlabelela  
ugawe.

2 Ngi ya kukulekela etempeleni lako  
eli ngevele, ngi bongwe igama lako nge-  
nxa yomusa wako neqiniso lako, ngoku-  
ba u kulisile iqiniso lako nga pezu kwe-  
gama lonke lako.

3 Ngosuku e nga kala ngalo wa ngi  
zwa wena; wa ngi kulisa ngamandhla  
empetumweni wami.

4 Onke amakosi omhlaba a ya kuku-  
bonga, Jehova, lapo ezwa amazwi omlo-  
mo wako!

5 A hlabelele ezindheleni zika Jehova;  
ngokuba lukulu udumo luka Jehova.

6 Ngokuba uJehova u pakeme, u ya  
naka otobileyo, kanti ozidhlayo u ya ni  
azi e kude.

7 Noma ngi hamba pakati kwenhlu-  
peko, wena wo ngi pilisa; wo pumisa  
isandhla sako ngapezu kolaka lwizita  
zami, nesandhla sokunene sako si ya  
kungisindisa.

8 uJehova wo ngenza ngi pelele; umu-  
sa wako Jehova, u pakade; u nga yeki  
inisebenzi yezandhla zako.

IZIHLABELELO 139.

Kumholi wokuhlabelela isihlabelelo sika Davida.

**J**JEHOVA, wena u ngi hlolile, u ya  
ngazi.

2 U ya kwazi ukuhlala kwami, noku-  
vuka kwami; u qonda umcabango wa-  
mi u kude.

3 U ya linda ukuhamba kwami, no-  
kulala kwami; wazana nezindhlela zo-  
nke zami.

4 Ngokuba aliko izwi olimini lwami;  
bhaka, wena Jehova, se u kwazi ukupela  
kwalo.

5 U ngi vimbezele ngasemuva na nga  
pambili, u bekile isandhla sako pezu  
kwami.

6 Lokukwazi okumangalisayo ku pezu  
kwami, ku pakeme a ngi nge finyelele  
kuko.

7 Ngo ya pi, ngi dede emoyeni wako na? ngo balekelapi ngi muke ebusweni bako na?

8 Uma ngi kupukela ezulwini, u lapo wena, uma ngi zendhlalela ukuko lwami esheoli, nangu wena.

9 Uma ngi tabata amapiko omtendewokusa, ngi hlale emikaulweni yolwandle;

10 Na lapo isandhla sako si ya kungihola, nesandhla sokunene sako so ngi bamba.

11 Uma ngi ti, impela Ubumnyama bu ya kungehlela; ubusuku bu ukukanya nga kimi.

12 Ubumnyama a bu fihli kuwe; kanti ubusuku bu kanya njengemini; njengobumnyama ku njalo ukukanya kuwe.

13 Ngokuba u bambile izinso zami, wa ngaluka esiswini sika mame.

14 Ngo ku bonga ngenxa yokuba ngenziwa ngokwesabekayo; imisebenzi yako i ya mangalisa; umpefumlo wami u ya kwazi loku kakulu.

15 Uqobo lwami a lu fihlwanga kuwe; lapa ngenziwa kona ekusitekeni, ngi setyenzwa kakuhle emibilimini yomhlaba.

16 Amehlo ako a bona uto lwami lu nga ka fanekiswa; namalungu ami onke a lotywa enewadini yako; ngezinsuku a dalwa ngazo, ku nga biko nalunye lwawo.

17 Zi mnandi kimi kangaka izinkumbulo zako Tixo! ubuningi bazo bukulu kangaka!

18 Uma ngi zi bala, zi ningi ku nesihlabati, nxa ngi vuka ngi se nawe.

19 Ku nga ti u nga bulala omubi, Tixo; dedani kimi nina bantu aba negazi.

20 Aba kuluma icebo ngawe; izita zako zi pata igama lako ngeze.

21 Jehova, a ngi zondi abazondi bako na? a ngi nengwa ibona a ba ku vukelayo na?

22 Ngil ba zonda ngenzondo epeleleyo, ba izita kimi.

23 Ngi hlote, Tixo, wazi inhliziyoyami; ngi linge, wazi izizindhlo zani:

24 U bone uma ku kona indhlela yosizi ini; u ngi hole endheleni engunapakade.

ISIHLABELELO 140.

Kumholi wokuhlabelela isihlabelelo sika Davida.

**N**GI kulule, Jehova, kumuntu omubi; ngi linde kumuntu o nonya.

2 Aba ceba okubi enhliziyweni yabo; imihla yonke ba hlanganisa ukulwa.

3 Ba lolile izilimi zabo njengezinyoka; zibuhlungu bamabululu bu pansikwezindebe zabo. Sela.

4 Ngi geine, Jehova, esandhleni somubi; ngi linde kumuntu o nonya; a ba ceba ukuwisa izinyatelo zami.

5 Abazidhlayo ba ngi fihlela isihibe, nemicilo; bendhlale ineta ngasecaleni lendhlela; ba ngi bekele imigibe. Sela.

6 Nga ti kuJehova, u nguTixo wami wena; yizwa izwi lokukuleka kwami.

7 Jehova Nkosi, mandhla okusindiswa kwami; wena wembesa ikanda lami ngosuku lwezikalali.

8 Jehova, ma u nga niki okufiswayo omubi; ma u nga sizi icebo lake; funa ba zi pakamise. Sela.

9 Kepa ikanda labo aba ngi zungezayo, uhlupo lwezindebe zabo ma lu bembese.

10 Amalahle omlilo ovutayo ma ka vele pezu kwabo; ma ka ba wisele emlilweni; na semisingeni ukuze ba nga vuki.

11 Umuntu o nolimi olubi ma ka nge emihlabeni; ububi bo m zingela umuntu o nonya ku be ukuwiswa kwake.

12 Ngil yazi ukuba uJehova u ya kwenzela ohlupekayo ukwahlula, nompofu ukulunga.

13 Impela abalungileyo ba ya kubonga igama lako; abaqoto ba ya kuhlala ebusweni bako.

ISIHLABELELO 141.

Ishlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, ngi ya kukalela; ngi tye tyele; lalala izwi lami, ekukaleni kwami kuwe.

2 Ukukuleka kwami ma ku lungiswe njengempepo ebusweni bako; nokupakanyiswa kwezandhla zami njengomikelo wokudhla kusihlwa.

3 Jehova, ma u beke ukulinda emlo nyeni wami; ma u linde umnyango wezindebe zami.

4 U nga penduleli endabeni embi inhliziyoyami; ukusebenza imisebenzi ekonakaliseni kanye nabantu aba sebenza okubi; ma ngi nga dlili okumnandi kwabo.

5 Olungileyo ma ngi tyaye, ku ngumusa; ma ngi lungise, ku amafuta ekananda, ikanda lami a li yi ku wenqaba; ngokuba umtandazo wami wo ba u se kona ezinhlupekweni zabo.

6 Nxa abahluleli babo ba wiswa ezindaweni zameva; ba ya kuzwa amazwi ami; ngokuba a mnandi.

7 Amatambo etu a hlakazekile emlo nyweni wesheoli, njengolinayo nodabula emhlabatini.

8 Ngokuba amehlo ami a kuwe Jehova Nkosi; ngi yetemba kuwe, ma u ngatuleli umpefumlo wami.

9 Ngi loude endaweni yesihibe a ba ngi cupele sona; nemigibe yabasebenzi bokubi.

10 Ababi ma ba we emaneteni abo, mina ngo wa dhlulela impela.

ISIHLABELELO 142.

Isiqondiso sika Davida: Umtandazo e se kona empandwini.

**N**GA memeza kuJehova ngezwi lami; ngezwi lami nga kuleka kuJehova.

2 Nga telela ebusweni bake isicelelo sami; nga bika inhlupeko yami ebusweni bake.

3 Ekuhlulekeni komoya wami pakati kwami, wena u ya yazi indhlela yami; emkondweni lo e ngi hamba ngawo ba ngi fihlele isihibe.

4 Bheka kwesokunene u bone ukuba amuko o ngaziyo; isipepelo si ngi patele; amuko o nakekela umpefumlo wami.

5 Nga kalela kuwe, Jehova: nga ti, Wena u yisipepelo sami nesabelo sami ezweni labahleziyo.

6 Lalela ukukala kwami; ngokuba ngi hlupekile kakulu; ngi sindise ebahlupini bami; ngokuba ba namaudhla kimi.

7 Pumisa umpefumlo wami ekubotweni ngi bonge igama lako; abalungileyo ba ya ku ngi haqa; ngokuba wena wo ngenzela okuhle.

ISIHLABELELO 143.

Isihlabelelo sika Davida.

**J**EHOVA, yizwa umtandazo wami, u nike indhlebe ekuceleni kwami; eqinisweni lako u ngi lalele na sekulungeni kwami.

2 U nga ngeni ekwahluleleni nenceku yako, ngokuba amuko ohleziyo o ya kutiwa u lungile emehlwani ako.

3 Ngokuba isita si zingele umpefumlo wami; si cindezele pansi emhlabeni ukupila kwami; si ngi hlalisile ebunyamani njengabafileyo banandulo.

4 Ngako umoya wami wa hlulekile pakati kwami; inhliziyo pakati kwami i dumele.

5 Ngi ya kumbula izinsuku zamandulo; ngi zindlehe ngayo yonke imisebenzi yako; ngi kulume pakati kwami ngako ukwenza kwezandhla zako.

6 Ngi yelula izandhla zami kuwe, umpefumlo wami womela wena njengomhlaba o womileyo. Sela.

7 Tyetya u ngi zwe, Jehova; umoya wami u ya pela; u nga siti ubuso bako kimi, ngi ze ngi fane nabo aba tyonayo emgodini.

8 Ngi zwise umusa wako ekuseni; ngokuba ngi yetemba kuwe; ngi zwisise indhlela le e nga ngi hamba ngayo; ngokuba ngi ya kupakamisela umpefumlo wami kuwe.

9 Ngi sindise kuzo izita zami, Jehova; ngi zifihle kuwe.

10 Ngi fundise ukwenza intando yako; ngokuba wena u nguTixo wami; umoya wako u lungile; ngi holele ezweni elilungileyo.

11 Ngi pilise Jehova ekulungeni kwako; u kipe umpefumlo wami ekuhlupekeni.

12 Na ngomusa wako ma u cite izita zami; u bubise bonke abahlupi bompefumlo wami; ngokuba ngi inceku yako.

ISIHLABELELO 144.

NgoDavida.

**M**A ka bongwe uJehova idwala lami, mo ya fundisa izandhla zami ukusondela, neminwe yami ukulwa.

2 Umusa wami, nenqaba yami, idwala lami, nomkululi wami; isihlangu sami, yena e ngi tembele kuye; o tobisa abantu bami pansu kwami.

3 Jehova, umuntu u yintoni na? ukuba u mazi wena? nendodana yomuntu ukuba u yi kumbule na?

4 Umuntu u fana neze; izinsuku zake zi njengetuuzi elidhlulayo.

5 Tobisa izulu lako, Jehova, wehle; namata izintaba zi tunqwe.

6 Ponsa izinyazi u ba hlakaze; pumisa imisebe yako, u ba sabalalise.

7 Pumisa isandhla sako, u ngi kulule; u ngi sindise emanzini amaningi, esandhleni sabantwana babafu.

8 Abamlomo wabo u shumayela ize, nesandhla sokunene sabo si isandhla sokunene senkohliso.

9 Tixo, ngo hlabelela kuwe igama elitya; ngi ku gwabele ogubwini olu nezintambo ezi ishumi.

10 U ye o nika amakosi ukusindiswa;

o kulula uDavida inceku yake enkembeni embi.

11 Ngi kulule u ngi sindise esandhlени sabantwana babafu, abamlomo wabo u shumayela ize, nesandhla sokunene sabo si isandhla sokunene senkohliso.

12 Ukuze amadodana etu a be njengezilimo ezikulayo ebutyeni bazo; nanadodakazi etu a be njengamatye amagumbi a baziweyo ngokomkuba wesigodhlo.

13 Ukuze izingobo zetu zi gewale, zi nikele izinhlobo zonke; ukuze izimvu zetu zande ngezinkulungwane nezinkulungwane ezi yishumi ezindhleleni zetu.

14 Ukuze izinkabi zetu zetweswe; ukuze ku nga biko ukuhlakazeka nokupuma; i nga biko insolo ezindhleleni zetu.

15 Ba ya busiswa abantu abaninzi; ba ya busiswa abantu uJehova o nguTixo wabo.

IZIHLABELELO 145.

**N**GI ya kukupakamisa, Tixo wami, Nkosi; ngi bonge igama lako ku ze ku be pakade nezikati zonke.

2 Izinsuku zonke ngo ku bongwa, ngi dumise igama lako ku ze ku be pakade nezikati zonke.

3 uJehova mkulu, u fanele ukudunyiswa kakulu! a kuko ukuhlola ubukulu bake.

4 Isizukulwane si ya kubabaza esizukulwaneni esinye imisebenzi yako, si tyele izenzo zako ezi namandhla.

5 Ngi ya kuzindhla ubuhle hodumo lobukosi bako, nezindaba zemimangaliso yako.

6 Nabantu ba kulume ngamandhla emisebenzi yako esubekayo; ngo shumayela ngobukulu bako.

7 Ba ya kukuluma kakulu ngenkumbulo yokuvama kobunene bako, ba hubele ukulunga kwako.

8 uJehova u nobunene u ya haukela; wepuza ukutukutela, u nomusa omkulu.

9 uJehova u lungile kubo bonke; umhau wake u pezu kwemisebenzi yonke yake.

10 Imisebenzi yonke yako i ya kukudumisa, Jehova; nabalungileyo bako ba ya kukubonga.

11 Ba ya kukuluma ngodumo lombuso wako, ba shumayeke ngobuqawe bako;

12 Ukwezisa abantwana babantu ubuqawe bake, nodumo lobukosi bombuso wake.

13 Umbuso wako u ngumbuso wemi-zuzu yonke; nokubusa kwako ku sezizukulwaneni nezizukulwane.

14 uJehova u ya pasa bonke abawayo; u lulamisa bonke abatobekileyo.

15 Amehlo abo bonke a ya kulinda; wena u ba nika ukudhla kwabo ngesikati sako.

16 U ya vula isandhla sako; u sutise ukufisa kwezinto ezipilileyo zonke.

17 uJehova u lungile ezindhleleni zonke zake; u nomusa ngemisebenzi yonke yake.

18 uJehova u seduze nabo bonke a ba m bizayo; bonke a ba m bizayo ngeqiniso.

19 U ya kwenza intando yaba m tandayo; kanti ababi bonke wo ba bulala.

20 uJehova u ya londoloza bonke a ba m tandayo; kanti ababi bonke wo ba bulala.

21 Umlomo wami u ya kushumayela ukubongwa kuka Jehova; nyemama yonke ma i bongwe igama lake eli ingewele ku ze ku be pakade nezikati zonke.

IZIHLABELELO 146.

**D**UMISANI uJehova; Mu dumise uJehova mpefumlo wami.

2 Ngi ya kudumisa uJehova ngi sa hlezi; ngi hlabelele kuTixo ngi se kona.

3 Ni nga tembi ezikulwini, na sendodaneni yomuntu oku ngeko kuyo, ukusindisa.

4 Umoya wake u ya puma, u buyele emhlabatini wake; ngalolusuku amabebo ake a ya buba.

5 U ya busiswa yena o noTixo ka Jakobe ukusiza kwake, ukutemba kwake ku kuJehova uTixo wake.

6 O wenza izulu nomhlaba nolwandle, nako konke oku pakati kwako; o geina iqiniso ku ze ku be pakade.

7 O wenza abahlutyiweyo ukwahlula; o nika abalambileyo ukudhla, uJehova u ya tukulula ababotyiweyo.

8 uJehova u ya vula amehlo ezimpupute; uJehova u ya pakamisa abatobekileyo; uJehova u ya tunda abalungileyo.

9 uJehova u ya londa abafu, u ya lungisela inkedama nomfelokazi; kanti indhlela yababi wo yi pumbanisa.

10 uJehova wo busa ku ze ku be pakade, uTixo wako Zioni ezizukulwaneni nezizukulwane. Dumisani uJehova.



ISIHLABELELO 147.

**D**UMISANI uJehova, ngokuba kuhle  
ukuhlabelela uTixo wetu; ngokuba  
ku mnandi; ukubonga, ku fanele.

2 uJehova u ya laka iJeruselema; u ya  
buta abaxotyiweyo ba seIsraeli.

3 U ya pilisa abadabukileyo enhlizi-  
yweni, a bope izilonda zabo.

4 O bala izinkanyezi, a zi bize zonke  
ngamagama.

5 Inkulu iNkosi yetu, i namandhla  
amakulu; ingqondo yayo a i nge tye-  
lwe.

6 uJehova u ya pakamisa abatobeki-  
leyo; wehlisela emhlabatini ababi.

7 Vumani kuJehova ngokubonga; hla-  
belelani kuTixo wetu ngogubu.

8 O sibekela izulu ngamafu, o lungise-  
la umhlaba imvula, o hlumisa utyani  
ezintabeni.

9 O nika izinkomo ukudhla kwazo;  
namazinyane egwababa akalayo.

10 A ka vumi ubuqawe behashi; a ka  
kolwa imilenze yendoda.

11 uJehova u kolwa a ba m esabayo,  
abetemba emuseni wake.

12 Babaza uJehova, Jeruselema; du-  
misa uTixo wako Zioni.

13 Ngokuba u qinisile imivalo yama-  
sango ako; u busisile abantwana bako  
pakati kwako.

14 Wenze ukutula emacaleni ako; u  
ku sutise ngokunona kuka kolweni.

15 U ya pumisa ukutyo kwake emhla-  
beni; izwi lake li ya gijima ngejubane.

16 U ya nika ungqoqwane njengoboya  
bezinvu; u hlakaza isitwatwa njengo-  
mlota.

17 U ya ponsa isicoto sake njengama-  
qata; ubani o ngema ebusweni bamaka-  
za ake na?

18 U ya tuma izwi lake a ku ncibili-  
kise; u ya pepetisa umoya wake amanzi  
a hambe.

19 U ya bonisa izwi lake kuJakobe, izi-  
miso zake nezahlulo zake kuIsraeli.

20 A kenzanga njalo esizweni nesiso-  
dwa; futi ukwahlula kwake a si kwa  
zanga. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 148.

**D**UMISANI uJehova. Dumisani uJe-  
hova nina e ni vele ezulwini; mu du-  
miseni ezindaweni ezipakamileyo.

2 Mu dumiseni zingelosi zake no-  
nke; mu dumiseni nina mabandhla ake  
onke.

3 Mu dumiseni langa, nenyanga; mu

dumiseni nina zinkanyezi ezikanyayo  
nonke.

4 Mu dumise wena zulu lezulu; nama-  
nzi a nga pezu kwezulu.

5 Ma ku dumise igama lika Jehova;  
ngokuba wa yaleza kwa dalwa.

6 U ku misele isikati ku ze ku be pa-  
kade; u'nikile isimiso e si nga yi ku-  
dhlula.

7 Mu dumiseni uJehova nina e ni ve-  
le emhlabeni; zinhlwati nezilwandhle  
zonke.

8 Mlilo nesicoto, neqwa, nenkwezane;  
nomoya ovunguzayo wenza izwi lake:

9 Zintaba nemimango yonke; miti  
ehlazayo, namasedare onke.

10 Zilwane, nezinkomo zonke; zilo  
ezikasayo, nezinyoni ezindzayo:

11 Makosi omhlaba, nabantu bonke;  
zikulu nabahluleli bezwe.

12 Zinsizwa, nezintombi; badala, na-  
bantwana.

13 Ma ba dumise igama lika Jehova;  
ngokuba igama lake lodwa li pakeme;  
ubukosi bake bu pezu komhlaba ne-  
zulu.

14 Yena u ya pakamisa upondo lwaba-  
ntu bake udumo lwabalungileyo bake;  
abantwana ba seIsraeli, abantu aba sedu-  
ze naye. Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 149.

**D**UMISANI uJehova. Vumani kuJe-  
hova igama elitya, nodumo lwake  
emhlanganweni wabalungileyo.

2 Ma ka jabule uIsraeli ngoMenzi wa-  
ke; ma betabe abantwana ba seZioni  
ngeNkosi yabo.

3 Ma ba dumise igama lake ngokusi-  
na; ma ba hlabelele kuye ngezingubu  
nogubu.

4 Ngokuba uJehova u ya tokoza nga-  
bantu bake; wo hlobisa abatambileyo  
ngokusindiswa.

5 Abalungileyo ma betabe ngodumo;  
ma ba hube ngenjabulo ezinkukweni  
zabo.

6 Ukupakanyiswa kuka Jehova ma ku  
be emipinjani yabo; nenkema e nezinsi-  
ko ezimbili eandhlani zabo.

7 Ukwenza impindiselo ezizweni no-  
kutiyaya ebantwini.

8 Ukubopa amakosi azo ngamaketa-  
ngo, nabadumileyo babo ngezibopo ze-  
nsimbi.

9 Ukwenza pezu kwazo isahlulelo esilo-  
tyiweyo; loludumiso lu kubo abangewe-  
le bonke bake; Dumisani uJehova.

ISIHLABELELO 150.

**D**UMISANI uJehova. Mu dumiseni uTixo endaweni yake e yingewele; mu dumiseni emkatini wamandhla ake.

2 Mu dumiseni ngezenzo zake zobuqawe; mu dumiseni njengobuningi bobukulu bake.

3 Mu dumiseni ngodumo lwetilongo; mu dumiseni ngogubu nomqangi.

4 Mu dumiseni ngesigubu nokusiuva; mu dumiseni ngezigubu ezi nezintambo na ngemityingo.

5 Mu dumiseni ngamagenkhle akalayo; mu dumiseni ngamagenkhle atyoyo kakulu.

6 Ma ku m dumise uJehova konke okupefumlayo. Dumisani uJehova.

AMAZWI AHLAKANIPILEYO.

ISAHLUKO 1.

**A**MAZWI ahlakanipileyo ka Solomona indodana ka Davida, inkosi yaba-Israeli.

2 Ukuze kwaziwe ukuhlakanipa, nesifundiso; ukuze kwaziwe amazwi abazisayo;

3 Ukuze kwamukelwe isifundiso sokuhlakanipa, nokulungisa, nokwahlula, nokulinganisa;

4 Ukuze abangahlakanipile ba nikwe ukuhlakanipa; nomfana ukwazi nengqondo;

5 Ohlakanipileyo ma ka lalele engezelele isifundo; no wazisayo, wo zuza isiqondiso:

6 A ze azisise izwi elihlakanipileyo, nokuzekelisa; amazwi abahlakanipileyo, neziqandelo zabo.

7 Ukunesaba uJehova ku isiqalo sokwazi; iziula zi ya dela ukuhlakanipa nokufundisa.

8 Ndodana yami, yizwa isifundiso sika yihlo; u nga wu lahli umteto ka nyoko:

9 Ko ba isivunulo esihle ekanda lako, nemigexo entanyeni yako.

10 Ndodana yami, nxa izoni zi ku yengqa, u nga vumi.

11 Nxa zi tyo ukuti, Hamba nati, ma si qamele igazi, si m bacele o nge nacala ngeze:

12 So ba gwinya njengesheoli, be sezwa; bona abapilileyo bo ba njengabo aba tyona emgodini:

13 So fumana ingcebo yonke, so gewalisa izindhlu zetu ngempango;

14 Wo ponsa inkato yako pakati kwetu, so ba nesikwama sinye tina sonke:

15 Ndodana yami, u nga yi nabo endhleleni; nqanda unyawo lwako emikondweni yabo:

16 Ngokuba izinyawo zabo zi gijimela ububi, zi tyetya ukupalaza igazi.

17 Ngeqiniso isibata senekwa ngeze emehlweni ezinyoni zonke.

18 Keka bona ba qamela elabo igazi, ba bacela okwabo ukupila.

19 I njalo imihambo yabo bonke aba fisa impango, i ya susa ukupila komniniyo.

20 Ukuhlakanipa ku ya memeza ngapandhle; emendweni ku ya pimisa izwi lako.

21 Esigcawini ku ya memeza, emasingweni; emuzini ku ya shumayela amazwi ako,

22 Ko ze ku be nini, nina eni nga hla kanipile no tanda ukungahlakanipi, nabahleki ba tande ukuhleka, neziula zi zonde ukwazi na?

23 Zi guquleni ngokuyala kwami; bhleka, ngo tela umoya wami pezu kwenu, ngo nazisa amazwi ami.

24 Ngokuba ngi bizile, nala nina; nge lulile izandhla zami, a ku ba ngako olalelayo;

25 Kepake ni lahlile konke ukululeka kwami, a ni vumanga ukuyala kwami.

26 Mina ngo hleka ngokukatazeka kwenu; ngi laule ekufikeni kwevuso lenu:

27 Nxa ivuso lenu li za njengesipepo esicitayo, nenhilupeko yenu i sondela njengesivunguvungu; nxa ku ze pezu kwenu usizi nobunzima.

28 Kona ba ya ku ngi biza, kanti a ngi yi ku sabela; ba ya ku ngi funisisa, kanti ka ba yi ku ngi fuyana:

29 Ngokuba ba zondile ukwazi, be nga ketanga ukunesaba uJehova:

30 A ba vumanga ukululeka kwami, ba dela konke ukuyala kwami.

31 Ngako ba ya kudhla isitelo sendhlela yabo, ba sute amacebo abo.

32 Ngokuba ukupambuka kwabangahlakanipile ko ba bulala, nokungakatali kweziula, ku ya ku zi cita.

33 Kanti o lalela mina, wo hlala ngokwetemba, a pumule ekwesabeni okubi.

ISAHLUKO 2.

**N**DODANA yami, uma wamukela amazwi ami, u yi londisise imiyalo yami.

2 Ukuze u beke indhlebe yako ekuhlakanipeni, u pendule inhliziyi yako ekuqondeni.

3 Yeboke nxa u kalela ingqondo, u pakamisele izwi lako ukwazisisa.

4 Uma u ku funa njengesiliva, u ku funisise njengengecebo efihliweyo.

5 Kona wo ku bambisisa ukumesaba uJehova, wo ku tola uku m azi uTixo.

6 Ngokuba uJehova wo nika ukuhlakanipa, ku puma emlonyeni wake ukwazi nengqondo.

7 U ya ba bekela abalungileyo ukusiza, u isihlangu kubo aba hamba ngokulunga.

8 A geine izindhlela zokwahlula, wo yi linda indhlela yabangeweke bake.

9 Kona u ya kubambisisa ukulunga nokwahlula nobuqoto, imikondo yonke elungileyo.

10 Ngokuba ukuhlakanipa ku za ku ngena enhliziyweni yako, nokwazi ku za kuba mnandi empefumlweni wako ;

11 Ingqondo i za kukugecina ; ukwazisa ko ku londa :

12 Ukuze u sindiswe endhleleni yababi, kumuntu o kuluma okupambeneyo ;

13 Bona aba shiya indhlela yobuqoto, ukuze ba hambe ezindhleleni zobumnyama,

14 Aba jabulela ukwenza okubi, beta-bele ekupambukeni okubi.

15 Abandhlela zabo zi pambene, na sekuhambeni be dukaduka.

16 Ukuze u sindiswe kumfazi o isipingi, kuso isifebe esi namazwi epelhlwa.

17 O shiya indoda yobutya bake, e kohlwa isivumelwano sika Tixo wake.

18 Ngokuba indhlu yake i tyonela ekufeni, imikondo yake kwabafilyo.

19 Bonke aba ngena kuye, a ba yi ku buya, aba yi ku finyelela kuzo izindhlela zokupila.

20 Ukuze u hambe wena endhleleni yabalungileyo, nezindhlela zabalungisayo u zi geine.

21 Ngokuba abaqoto bo hlala ezweni, nabangenacala bo sala kulo.

22 Kanti ababi bo nqunywa ezweni, nabonakalayo bo sityulwa kulo.

ISAHLUKO 3.

**N**DODANA yami, u nga kohlwa isifundiso sami, inhliziyi yako ma i londe imiyalo yami.

2 Ngokuba ku za kwenezelwa kuwe ubude bezinsuku, neminyaka yokupila, nenhlalo enhle.

3 Ububele neqiniso ma ku nga hlukani nawe, ku bope etanyeni yako, ku lobe enhliziyweni yako.

4 U ya kufumana umusa nenhlanhla emehlweni ka Tixo nabantu.

5 Temba kuJehova ngenhliziyi yako yonke, u ngencike kokwako ukuqonda.

6 Ekuhambeni konke kwako u m vume, u ya kuzilungisa izindhlela zako.

7 U nga bi ohlakanipileyo emehlweni ako ; m sabe uJehova, u dede kokubi.

8 Ko ba impiliso emisipeni yako, nokupumula ematanjeni ako.

9 M dumise uJehova ngemfuyo yako, na ngolibo lwezuzo yako yonke.

10 Ko ti izinyango zako zi gwale ubuningi, nezicindezelo zako zi pupume iwaini elitya.

11 Ntodana yami u nga ku deli ukutyaya kuka Jehova, u nga nengwa ukukuza kwake.

12 Ngokuba uJehova u ya m tyaya yena a m tandayo, njengaloku uyise indodana a yi tandayo.

13 U busisiwe umuntu o tolile ukuhlakanipa, umuntu o zuzayo ingqondo.

14 Ngokuba itengo yako i lungile ku nentengo yesiliva, nenzuzo yako ku negolide elihle.

15 Ku fanelekile ku namaparele, nezinto zonke zako ezi igugu a zi nge lingane nako.

16 Ubude bezinsuku, bu sesandhlени sako esokunene kwesokohlo ku kona ingcebo nodumu.

17 Izindhlela zako zi izindhlela zobumnandi, nemikondo yonke yako i yinhlalo enhle.

18 Ku ngumuti wokupila, kwababambela kuko, wo busiswa o ku bambayo.

19 uJehova wa sekela umhlaba ngokuhlakanipa, wa misa izulu ngokuqonda.

20 Ngokwazi kwake, amanzi amakulu a ya datyulwa, namafu a consela amazolo.

21 Ntodana yami, ma ku nga muki loko emehlweni ako, bambelela ekulu-lekeni na sekuqondeni.

22 Ko ba ukupila empefumlweni wako, nobuhle entanyeni yako.

23 Wo hamba ngetemba endhleleni yako, nonyawo lwako a lu yi ku kubeka.

24 Nxa u lala pansu, a u yi kwesaba; yebo, nxa u lalayo, ubutongo bako bo ba mnandi.

25 U nge sabi ivuso eli fika masinya, nokueiteka kwababi lapo ku zayo.

26 Ngokuba uJehova u ya kuba itemba lako, wo lu geina unyawo lwako, lu nga badjwa.

27 U nga ba godhli abaniniko okuhle, nxa ku semandhleni esandhla sako ukukwenza.

28 U nga tyo kumgane wako ukuti, Hamba u buye, ngi ya kukunika ngomuso; nxa ku kona kuwe.

29 U nga m cabangeli okubi o wakelelene naye, nxa e hilezi kahle nawe.

30 U nga pambani namuntu, kungeko siei, e ngonni nganto kuwe.

31 U nga bi namona ngakumuntu o nonya, u nga yi keti nanye yezindhlela zake.

32 O pambukileyo u ngonengekayo kuJehova, kodwa imfihlakalo yake i nabalungileyo.

33 Isituko sika Jehova si sendhlini yomubi, kanti wo li busisa ikaya labalungileyo.

34 Impela abahleki u ya ba hleka, kepa abatobekileyo u ya ba pa umusa.

35 Abahlakanipileyo bo li dhla ifa lobukosi, kanti iziula zo tweswa ihlazo.

#### ISAHLUKO 4.

**Y**IZWANI bantwana isiyalo sika yihlo, ni lalele ukuze nazi ingqondo. 2 Ngokuba ngi ni pile isifundo esihle, umteto wami ni nga wu shiyi.

3 Be ngi indodana ka baba, ngi ngotambileyo, ngi ngedwa emehlweni ka mame.

4 Wa ngi fundisa, wa ti kimi Inhliziyo yako ma i bambelele emazwini ami, londa imiyalo yami, u pile.

5 Zuza ukuhlakanipa, zuza ingqondo: u nga kohlwa; u nga pambuki emazweni omlomo wami.

6 U nga ku shiyi, ko ku geina; ku tande, ko ku londa.

7 Into enkulu i ukuhlakanipa; zuza ukuhlakanipa: yebo nako konke ukuzuza kwako, u zuza ingqondo.

8 Ku kulise, ko ku pakamisa; ku ya ku kwenzela udumo, nxa u ku gonayo.

9 Ko li nika ikanda lako isivunulo esihle, umqele o hlobiweyo ko ku nikela wona.

10 Yizwa ndodana yami u wamukele amazwi ami, i ze yande iminyaka yokupila kwako.

11 Ngì ku fundisile endhleleni yokuhlakanipa, ngi ku holela emikondweni yohuqoto.

12 Nxa u hambayo, ukunyatela kwako a ku yi kuncipiswa; nxa u gijimayo, a u yi kukubeka.

13 Bambela kuso isifundiso, u nga si yeki; si londe, ngokuba si ukupila kwako sona.

14 U nga ngeni emikondweni yababi, u nga hambi nokuhamba endhleleni yabangalungile.

15 Yale, u nga dhululi ngayo; pambuka kuyo u dlhule.

16 Ngokuba ka ba lali be ngenzanga okubi; bamukwa ubutongo babo, nxa be nga m kubekisanga namunye.

17 Ba si dhla isinkwa sobubi, ba puza iwaini lonya.

18 Kepa indhlela yabalungileyo i njengokukanya oku bejayo, oku kanya njalo ku ze ku be imini epeleleyo.

19 Indhlela yabonakeleyo i njengobumnyama obu hlangeneyo, a ba kwazi loku be kubeka iko.

20 Ndodana yami, lalela amazwi ami, u yi beke indhlebe yako kuzo izinshumayelo zami.

21 Ma zi nga lahleki emehlweni ako, zi londe enhliziyweni yako.

22 Ngokuba zi ukupila kubo aba zi funyanayo, kuwo umzimba wonke, zi impiliso.

23 Linda inhliziyo yako ngapezu kokulinda konke, ngokuba kuyo u kona umtombo wokupila.

24 Susa kuwe ukupambuka komlomo, nokupambeka kwezindebe ku dedise kuwe.

25 Amehlo ako ma ka bleke pambili, nezinkope zako ma zi qonde pambi kwako.

26 Qapela ukuhamba konyawo lwako, ukuze zonke izindhlela zako zi qiniswe.

27 U nga pambeki nakwesokunene, nakwesokohlo, susa unyawo lwako ebubini.

#### ISAHLUKO 5.

**N**DODANA yami qapela ekuhlakanipeni kwami, u yi beke indhlebe yako ekuqondeni.

2 Ukuze u yi geine ingqondo, nezindebe zako zi londe ukwazi.

3 Ngokuba izindebe zesipingi zi ya co-nsa uju, nolwanga lwaso lu butyelezi ku namafuta,

4 Kanti ukupela kwake ku ya baba njengomhlonyanane, ku bukali ku nenkema e nezinsiko ezimbili.

5 Izinyawo zaso zi yehlela ekufeni, izinyatelo zaso zi bambelela esheoli.

6 Indhlela yokupila a si zilungiseli kona, imikondo yaso i ya jikajika, a si naki.

7 Kaloku bantwana lalelani kimi, ni nga hlukani namazwi omlomo wami.

8 Dedisa indhlela yako kuso, u nga sondeli emnyango wendhlu yaso.

9 Ukuze u nga niki abanye ubutya bako neminyaka yako ku nonya.

10 Funa abafa ba sutiswe ubucebi bako, nomsebenzi wako obuhlungu u be sendhlini yongaziwayo.

11 U ze u kale ekupeleni, nxa ku tya umzimba wako nenyama yako,

12 U ze u tyo ukuti, yeka ukuzonda kwami isifundiso, enhliziyi yami i delile ukululekwa.

13 Ngi nga lalelanga izwi labafundisi bami ngi nga bekanga indhlebe yami kubabonisi bami.

14 Nga be ngi seduzana nokubi konke, pakati kombuto nomhlangano.

15 Puza amanzi kowako umtombo, nemifula e pumayo emtonjeni wako.

16 Imitombo yako ma i nga pupumeli ngapandhle, i be imifulana yamanzi ezindhlehleni.

17 Ma i be kuwe, ku wena wedwa; i nga bi kwabangaziwayo kanye nawe.

18 Untombo wako ma u busiswe, u jabule kumkako wobutya.

19 Imbabala etandekayo nendhluzelekazi enhle, amabele ake ma ka ku delise zonke izikati, na ngokumtanda ma u holwe njalo.

20 Yini ndodana yami ukuba u holwe isifebe, u singate isifuba sesipingi na?

21 Imihambo yomuntu i pambi kwamehlo ka Jehova, nezindhlela zonke zake u ya zi qapelisisa.

22 Ukonakala kwake ko m babisa o shingayo; na ngezintambo zokona kwake, wo banjwa.

23 Wo fa yena e nge nakufundiswa, na ngobuningi bobuula bake wo duka.

#### ISIAHLUKO 6.

**N**DODANA yami, nxa u mele isihlobo sako, u m tyayecele umfo isandhla sako.

2 Nxa u tiywe ngamazwi omlomo wako, u badjwe ngokukuluma komlomo wako.

3 Yenza loku pela ndodana yami, u zisindise, ngokuba u zile esandhlени sesihlobo sako; hamba u zikotamise, u si ncege isihlobo sako.

4 U nga niki ubutongo amehlo ako, nokozela izinkope zako.

5 Zi sindise njengendhluzele esandhlени, na njengenyoneni esandhlени somtiyi.

6 Yiya entutaneni wena ovilapayo, u yi bonisise imihambo yayo, u qonde.

7 I nge namholeli, nambonisi, nankosi,

8 Ehlobo i ya zilungisela isinkwa sayo, ekwindhla i bute ukudhla kwayo.

9 We! vila, wo lala ku ze ku be nini? wo vuka nini ebutongweni bako na?

10 Ubutongo obuncane ukozela okuncane, ku ze ku lalwe.

11 Ko ti ubumpofu bako bu ze njengohambayo, nokudinga kwako njengomuntu o pete isihlangu.

12 Umuntu o nga lungele luto u umuntu omubi, o hamba ngokupambuka komlomo.

13 E qweba ngamehlo ake, e kuluma ngezinyawo zake, e komba ngeminwe yake.

14 Izipambuko zi senhliziyweni yake, o qambokubi, o vusinkani zonke izikati.

15 Ngako ukuciteka kwake ko fika masinya; ngokupazima wo pohlozwa, ku nga biko ukusinda.

16 Lezi zinto ezi yisitupa uJehova u ya zi zonda, yeboke ezi yisikombisa zi yisinengiso sompefumlo wake.

17 Amehlo a zidhlayo, nolimi lwamanga, nezandhla ezi palaza igazi eli nge nacala.

18 Inhliziyi e qamba amacebo amabi, izinyawo ezi gijimela ebubini.

19 No futa amanga e ngufakazi o qambayo, no qubela inkani pakati kwabazalwane.

20 Ndodana yami, gcina umyalo ka yihlo, u nga si deli isifundiso sika nyoko.

21 Ku bope enhliziyweni yako njalo, ku tekeleze entanyeni yako.

22 Nxa u hambayo ko ku hola, nxa u lalayo, ko ku gcina, nxa u kulumayo ko kuluma nawe,

23 Ngokuba umyalo u isibani, nomteto u inkanyiso, neziyalo zokululeka zi yindhlela yokupila.

24 Ukuze u geinywe kumfazi omubi, kubutelezi bolimi lwesifebe.

25 U nga kanuki ubuhle baso enhliziyweni yako, ma si nga ku babisi ngezinkope zaso.

26 Ngokuba ngenxa yomfazi o isipingi, ku ya sweleka nomtamo wesinkwa, nomkandoda wo tiya umpefumlo o yigugu.

27 Umuntu a nga tabata umlilo esifubeni sake, izingubo zake zi nga tyi na?

28 Umuntu a nga hamba pezu kwamalahlale atyisayo, izinyawo zake zi ngatyi na?

29 U njalo yena o ngena kumkamhlobo wake; yena o m namatayo, a ka yi kuba o nge nacala.

30 Abantu a ba deli isela nxa leba ukusutisa umpefumlo walo li lambile.

31 Kodwa uma li banjwe, lo buyisela ngokwesikombisa, yonke imfuyo yendhlu yalo lo yi nika.

32 O pinga nomfazi, u swela ukugqonda; o kwenza loku, u ya cita umpefumlo wake.

33 Wo funyana ukutyaywa nokudelwa, nehlaho lake a li yi kuhlangulwa.

34 Ngokuba umona u ukutukutelisa kwendoda, a i yi kuyeka ngosuku lokupindisela.

35 A i yi ku naka nakunye ukuhlaula, a i yi ku vuma nokuba wandisa iminikelo.

#### ISAHLUKO 7.

**N**DODANA yami, geina amazwi ami, u yi kweze imiyalo yami kuwe.

2 Geina imiyalo yami, wo pila; umteto wami ma u be njengenhlamvu yeso lako.

3 Ku bope eminweni yako, ku lobe enhliziyweni yako.

4 Yityo ekuhlakanipeni, wena u ngudade wetu; u bize ukwazisisa ngokuti, umhlobo.

5 Ukuze u geinywe kuye umfazi o isipingi, na kuso isifebe esi namazwi ephlwa.

6 Ngokuba entubeni yendhlu yami nga buka pakati kohlaka lwami.

7 Ngi ze ngi bleke pakati kwaba iziula; nga bona pakati kwabatya insizwa e nge nangqondo.

8 E dhlula endhlehleni eduze negumbi laso, ya zihambela ngendhlehla yendhlu yaso.

9 Ngokuswelela kusihlwa, pakati kobusuku nobunnyama.

10 Kwa ti kwa hlangana naye umfazi o mbete okwesifebe, e nobuqile ngenhliziyu.

11 U nomsindo, u nokudelela, izinyawo zake a zi hlali endhlini yake.

12 Manje u ngapandhle, nangu futi se e sezindhlehleni, u lalala ngasemagumbini onke.

13 Wa ti wa yi bamba, wa yanga; wa qinisa ubuso bake, wa ti kuyo.

14 Iminikelo yokubonga i kimi, namuhla ngi qedile izibambiso zami.

15 Ngaloku ngi pumele ukukuhlangabeza, ukufunisisa ubuso bako, se ngi ku fuuyene.

16 Ngendhlele umbede wami ngezinguubo, zi balwe ngentambo ya sEgipite.

17 Ngi fafazile umbede wami ngenmure, nangenhlaba, nangekinamone.

18 Wozake ma si sute utando ku ze ku se, si jabule otandweni.

19 Ngokuba indoda ayiko ekaya, i hambile kude.

20 Isikwama semali ya si tabata esandhleni sayo, ekutwaseni kwenyanga yo buyela ekaya.

21 Wa yi panbukisa ngobuningi bamazwi ephlwa, ngokuteleza kwezindebe zake wa yi qubela.

22 I ya m laudela masinyane njengenkomo i za ekuhlutyweni, njengaye o sezibopweni zezinyawo, e ya ekuhlutyweni kweziula.

23 Ku ze umsebe u hlabe isibindi sayo, njengenyoni i tyetyele esihibeni, i ngazi ukuba si bekelwe ukupila kwayo.

24 Kaloku bantwana ngi zweni, ni lalale amazwi onlomo wami.

25 Inhliziyu yako ma i nga pambukeli ezindhlehleni zake, u nga hambani emikondweni yake.

26 Ngokuba abaningi ababuleweyo u ba wisile; futi aba namaudhla bonke aba hlatyiwe uye.

27 Indhlu yake i yindhlehla e ya esheoli, eukela ezigodini zokufa.

#### ISAHLUKO 8.

**U**KUHLAKANIPA a ku memezi na? Ukuqonda a ku pimise izwi lake na?

2 Esipongweni sezindawo ezipakamileyo, ngasendhlehleni pakati kwemendo, ku yema.

3 Ngasemasangweni, ngasekuqaleni komuzi, ekungeneni kweminyango ku ya memeza.

4 Kinina bantu, ngi ya memeza; nezwi lami li kumadodana abantu.

5 Nina abangahlakanipile yazisani ukululeka, nina ziula yazisani ngenhli-ziyo.

6 Yizwanini, ngokuba ngo kuluma okukulu, nokukamisa. komlomo wami ko ba ngokulungileyo.

7 Ngokuba umlomo wami wo kuluma iqiniso, ku ti ukungalungi ku ngokune-ngekileyo ezindebeni zami.

8 Onke amazwi omlobo wami a seku-lungiseni, a ku konto ku wona ekohli-sayo, epambukileyo.

9 A lungile onke ku yena o wa zisayo, a sobala kubona aba ku funyene ukwazi.

10 Yamukela ukufundisa kwami, u ngamukeli isiliva, nokwazi ku nego-lide eliketiweyo.

11 Ngokuba ukuhlakanipa ku lungile ku namaparele, nezinto zouke ezi yigugu a zi lingani nako.

12 Mina ukuhlakanipa ngi hlala no-kululeka, ku te ukwazi kwamacebo aqo-ndileyo ngi ya kufunyana.

13 Ukumesaba uJehova ku ngukuzo-nda okubi: ukuzidhla, nokuzipakamisa, nokubamba okubi, nomlomo opambu-kayo ngi ya u zonda.

14 Ukuqonda ku kimi, nokuqondisa; ngi ngukwazisisa; amandhla a kimi.

15 Amakosi a busa ngami, nezikulu zi misa ukulungisa.

16 Izinduna zahlulela ngami, nabaku-lu bonke, abateti bezwe.

17 Ngi ba tanda a ba ngi tandayo, nabo aba ngi funisisayo ba ya ku ngi funyana.

18 Imfuyo nodumo ku kimi, ingeebo ehle nokulunga.

19 Isitelo sami sihle ku negolide, ku negolide elihle, nenzuzo yami ku nesi-liva eliketiweyo.

20 Ngi ya hamba endhleleni yokulu-nga, pakati kwezindhela zokwahlulela.

21 Ukuze ngenze aba ngi tandayo ba be nemfuyo, nezinyango zabo ngo zi gwalisa.

22 uJehova wa ngi dala, ngi ukuqala kwendhlela yake, ngapambile kwemise-benzi yake yendulo.

23 Kwa pakade nga geotywa kwaseku-qaleni, izwe li nga ka biko.

24 Lapo ku ngeko okujulileyo be ngi zelwe; lapo ku ngeko nemitombo e na-manzi amaningi.

25 Zi nga ka qini izintaba, i nga ka biko imimango, be ngi zelwe.

26 E be e ngenzanga umhlabati o liny-wayo, namahlane, nokuqala kotuli lwe-zwe.

27 Na lapo e be lungisile izulu, nga be ngi kona mina; ekubaleni kwake isiyi-nge ebusweni bolwandhle:

28 Ekumiseni kwake amafu a ngape-zulu, ekwenzeni imitombo yolwandhle i be namandhla:

29 Ekumiseleleni kwake ulwandhle umkaulo, ukuze amanzi a ngeqi izwi lake; ekumiseni kwake izisekelo zo-mhlaba:

30 Be ngi kuye ngi isisebenzi, imihla ngemihla be ngi injabuliso; ngi tokoza pambi kwake zonke izikati.

31 Be ngi jabula ezweni lake elakiwe-yo; izitokoziso zami za zi kanye nama-dodana abantu.

32 Kaloku lalelani kimi bantwana, ngokuba ba ya busiswa aba gcina izi-ndhlela zami.

33 Yizwami isifundiso, ni hlakanipe, ni nga si nqabeli.

34 U busisiwe o ngi zwayo, e linda imi-hla ngemihla ngasemasangweni ami, e qapela ngasezinsikeni zezivalo zami.

35 Ngokuba o ngi fumanayo, u ya fu-nyana ukupila, wo zuza umusa kuJe-hova.

36 Kanti o nga ngi funyani, u ya wona umpfumlo wake, bonke aba ngi zonda-yo ba tanda ukufa.

## ISAHLUKO 9.

UKUHLAKANIIPA ku yakile indhlu yake, ku zi bazile izinsika zake ezi isikombisa.

2 Ku zihlabele, ku li vubele iwaini, ku si lungisile izitebe.

3 Ku tumile izintombi zake, ezinda-weni ezipakamileyo zomuzi, ku ya me-meza ukuti.

4 Ongahlakanipile ma ka pambukele lapa: o swele ukuqonda, ku ya tyo kuye,

5 Wozani ni dhle kokwami ukudhla, ni puze iwaini e ngi li vubeleyo.

6 Shiyani ubuula, no pila; hambani ngokuqonda endhleleni yokwazisisa.

7 O yala isideleli, u zuza ihlazo; o kuza omubi, ku ububi kuyena.

8 U nga yali isideleli, funa si ku zo-nde; kuza umuntu o hlakanipileyo, na-ye wo ku tanda.

9 Nika kohlakanipileyo, wo hlakani-pa yena; fundisa olungileyo, wo kwa-ndisa ukufunda kwake.

10 Ukuqala kokuhlakanipa, ku nguku-mesaba uJehova, nokwazi okuyingewe-le, ku ngokuqonda.

11 Ngokuba ngami izinsuku zako zi ya

kwanda, neminyaka yokupila i ya kwe-ngezwwa kuwe.

12 Uma u hlakanipa, u ya kuzihlakanipela, kanti uma u nokudelela, wo ku twala wena wedwa;

13 Umfazi ongaqondiyi u nomsindo, u nobuula, a kazi luto.

14 U hlezi ngasemnyango wendhlu yake, esihlalweni esi seziudaweni ezipakamileyo zomuzi.

15 Ukuba a bize abadhhlulayo endhleleni, aba qonda izindhlela zabo,

16 O yisiula ma ka pambuke lapa, no swele ukuqonda, u ti kuye,

17 Amanzi ebiweyo a mnanzi, esin-kwa sentukoso sihle.

18 A kazi ukuba izituta zi kona, aba nengwayo bake ba sezigidini zesheoli.

### ISAHLUKO 10.

**A**MAZWI ahlakanipileyo ka Solomona. Indodana ehlakanipileyo i ya tokozisa uyise; kanti indodana e nobu-la i usizi kunina.

2 Ingebebo yokubi, a i sizi luto; kepa ukulungisa ku ya sindisa ekufeni.

3 uJehova ka yi kuvuma ukuba umpem-fumo wolungileyo u lambe, kodwa inkano-ko yabashingayo wo yi delela.

4 Umpofu yena o sebenza ngesandhla sobudenge, kodwa isandhla sokukutala si ya cebisa.

5 Obutayo ehlobo, u indodana ehlakanipileyo, kanti e lalayo ekwindhla u indodana embi.

6 Izibusiso zi pezu kwekanda lolungileyo, kanti umlomo woinubi u ya fihla ukonakala.

7 Ukukunjulwa kolungileyo ko busiswa, kodwa igama lababi lo bola.

8 Onhliziyo yake i hlakanipile, u ya kwamukela imiyalo; kanti o isiula ngomlomo, u ya kuwiswa.

9 Ohambayo ngeqiniiso, u hamba kahle; kodwa o hamba ngezindhlela ezipambanayo, u ya kwaziwa.

10 O qweba ngeso u veza ubuhlungu, no isiula ngomlomo wo wa pansi.

11 Umlomo wolungileyo u ngumtombo wokupila, kanti umlomo wamashinga u fihla ububi.

12 Inzondo i ya xunga inkani, kodwa utando lu ya sibekela okubi konke.

13 Ukuhlakanipa ku ya funyanwa emlonyeni wabaqondileyo, kodwa uswazi lu lungele umhlana wake o swela ingqondo.

14 Abahlakanipileyo ba ya gcina ukwa-

zi, kepa umlomo wesiula u incitakalo e seduze.

15 Ingebebo yesicebi i umuzi wake o namandhla, ukuciteka kwezimpofana ku ubumpofu bazo.

16 Umsebenzi wolungileyo u nga sekupileni, inzuzo yabangalungileyo i nga sekoneni.

17 U sendhleleni yokupila o londa ukufundiswa, kanti o nqaba ukuyalwa, u ngodusayo.

18 O baecisa inzondo ngomlomo onamanga, no pumisa isihlebo, u isiula.

19 Ngobuningi bamagama, a ku sweleki sono; kepa o bamba umlomo wake, u hlakanipile.

20 Ulimi lolungileyo lu njengesiliva eliketweyo, inhliziyo yababi i into encinyane.

21 Izindebe zolungileyo zi yondhla abaningi, kanti iziula zi ya fa ngokuswela ingqondo.

22 Isibusiso sika Jehova si ya cebisa, a kengezi ubuhlungu kuso.

23 Ku njengokudhlala kuso isiula ukwenakalisa, kodwa o nengqondo u nokuhlakanipa.

24 Ivuso leshinga li ya kulifikela, kodwa intando yolungileyo wo yi nika.

25 Njengokudhlala kwesivunguvungu, a li seko ishinga, kanti kolungileyo ku kona isisekelo esi ngunapakade.

26 Njengomunyo emazinyweni, nanjengomusi emehlweni, ku njalo ivila kuye o li tumayo.

27 Ukwesaba uJehova ku yandisa izinsuku, kepake iminyaka kwaba amashinga yo ncipiswa.

28 Itemba lolungileyo lo ba injabulo, kepake ukubekela kwababi ko pela.

29 Indhlela ka Jehova i ngamandhla koqoto, kanti ukubujiswa ku kubo abasebenzi bokubi.

30 Olungileyo a ka yi kunyakaziswa napakade, kanti amashinga a ka yi ku hlala ezweni.

31 Umlomo wolungileyo u ya veza ukuhlakanipa, kanti ulimi lwenkohliso lu ya kunqanyulwa.

32 Izindebe zolungileyo zi ya kwazi okukolekileyo, kepa umlomo wamashinga u ya kohlisa.

### ISAHLUKO 11.

**I**SILINGANISO, esikohlisayo si isine-ningiso kuJehova, kanti isilinganisilo esilungileyo si intokoziso yake.

2 Ku ti ku like ukuzidhla, ku vela



nehlazo; kepa kwabatobekileyo ku kona ukuhlakanipa.

3 Iqiniso labalungileyo li ya kubaholela, kodwa ukupambanisa kwabonakalisayo ko ba cita. \*

4 Ubucebi a bu yi ku siza ngosuku lweintukutelo, kodwa ukulungisa ko sindisa ekufeni.

5 Ukulungisa koqoto ko lungisa indhlela yake, kepa ishinga li ya ku wa ngobushinga balo.

6 Ukulungisa kwabaqoto ko ba sindisa, kodwa abonakalisayo bo banjwa ukonakalisa kwabo.

7 Ekufeni komuntu omubi itemba lake li ya kupela, nokubekela kwabangalungileyo ku ya bubu.

8 Olungisayo u ya kitywa ebunzimeni, kepa oshingayo u ya ngena esikundhleni sake.

9 Ngomlomo umuntu omubi u ya bulala owakelene naye, kepa ngokwazi kwabaqoto wo kululwa.

10 Nxa e hlezi kahle olungileyo, umuzi u nokwenama; na nxa be bubu ababi, ku kona ukwenanela.

11 Ngokubusisa kwabalungileyo wo pakayiswa umuzi, kepake ngomlomo wamashinga u ya kucitwa.

12 O dela owakelene naye u ngontula ukuqonda, kepa umuntu o nokwazisisa, wo tula.

13 O hambahamba e hleba u ya velisa imfihlo, kanti o kolekile emoyeni u ya yi sibekela indaba.

14 Abantu ba ya wa, uma ku ngeko ukuqondisisa; kodwa ku kona ukugecineka ngobuningi babaqondisayo.

15 O zimela umfo, wo hlupeka nokuhlupeka; kodwa o zonda ukubambisa isandhla, u qinisile.

16 Umfazi otandekayo u ya zuza udumo, nabanamandhla ba zuza ingeebo.

17 O wenzela umpfumlo wake okuhle u ngumuntu o nomusa, kanti o kataza inyama yake, u nonya.

18 Ishinga li yenza umsebenzi wenkolhiso, kodwa o hlwanyela ukulunga, u nenkokelo eqinisekileyo.

19 Njengaloku ukulunga ku holela ekupileni, njalo o landa okubi u ku landa ku be ukufa kwake.

20 Abapambukileyo enhliziyweni, ba yisinengiso kuJehova; kanti abaqoto ekuhambeni, ba intokoziso yake.

21 Noko isandhla si patana nesandhla, omubi a ka yi ku yekwa; kepa inzalo yabalungileyo yo sindiswa.

22 Njengendandato yegolide empunulweni yengulube, u njalo umfazi omuhle e nge nakuqikela.

23 Okutandwa abalungileyo ku lungile kupela, kepa itemba labashingayo li intukutelo.

24 Ku kona okuhlakazayo, kwelekwa noko; kepa o vimbapo ku nokufaneleyo, ku banga ubumpofu kupela.

25 Umpefumlo obusisayo u za ku ceba, no netisayo wo netiswa.

26 O godhla ukolweni, abantu ba ya ku m tuka; kepa izibusiso zo ba pezu kwekanda lake o tengisa ngalo.

27 O funisisa okuhle wo funa ukutandwa uTixo, kanti o funa okubi loku ku ya ku m fikela.

28 O temba ingeebo yake, u za kuwa yena; kepa abalungileyo bo hluma nje-ngeqabunga.

29 O katazayo indhlu yake, u ya kwamukela umoya; ku ti isiula si isicaka kuye o nenhliziyo eqondileyo.

30 Isitelo solungileyo si umuti wukupila, no zuza imipefumlo u qondile.

31 Bheka olungileyo u ya kuvuzwa emhlabeni; kakulu kangakanana omubi nesoni.

#### ISAHLUKO 12.

**Y**ENA o tanda isifundiso, u tanda ukwazi; kanti o zonda ukululeka, u yisipukupuku.

2 Olungileyo wo zuza umusa kuJehova, kepake umuntu wamacebo amabi u ya kulahlwa.

3 Umuntu a ka yi ku qiniswa ngokubi, kodwa impande yabalungileyo a i yi ku zanyazanyiswa.

4 Umfazi oqoto u umqele kuyo indoda yake, kepa o hlazisayo u njengokubola kwamatambo ayo.

5 Imicabango yabalungileyo i ukulungisa, kepa ukuqondisa kwababi ku inkohliso.

6 Amazwi ababi a ngukuqamela igazi, kepa umlomo wabaqoto u ya kubasindisa.

7 Ababi ba ya citwa ba nga biko, kepa indhlu yolungileyo i ya kuma.

8 Umuntu ngokuqikela kwake u ya dunyiswa, kodwa o pambene enhliziyweni wo delwa.

9 Odelwayo e nenceku, u ya ku m ahlula yena o zikulisayo kepa e ntulu isinkwa.

10 Olungileyo u ya katalela ukupila kwesilwane sake, kepa isisa samashinga si unya.

11 O lima insimu yake wo suta ukudhla; kodwa o landela izidenge u ntula ingqondo.

12 Omubi u ya fisa impango yabangalungile, kodwa impande yabalungileyo yo tela.

13 Ngokona kwezindebe ku kona ukubadja komubi; kanti olungileyo wo puma ekhlupekeni.

14 Ngokutela komlomo womuntu wo vama ngokulungileyo, nomvuzo wezandhla zomuntu wo buyiselwa kuye.

15 Indhlela yesiula i lungile emehlweni aso; kepa o lalela ukululekwa u hlakanipile.

16 Isiula inkatazo yaso yaziwa ngosuku lwayo, kanti o sibekela ihlazo u hlakanipile.

17 O pefumula iqiniso, u kuluma okufaneleyo; kepa ufakazi wamanga, inkohliso.

18 Ba kona aba kuluma amagama amaningi njengokuhlaba kwenkemba, kodwa ulimi lwabaqondileyo lu yimpiliso.

19 Udebe lweqiniso lu ya kuma ku ze ku be pakade, kodwa ulimi lwenkohliso ngokupazima kupela.

20 Inkohliso i sezinhliziyweni zabo aba cabangela okubi, kodwa kwabaqondisa inhlalo enhle ku kona injabulo.

21 Olungileyo a ka yi kwehlelwa ingozi neyodwa, kodwa ababi bo gwala ububi.

22 Izindebe ezikohlisayo zi yisinengiso kuJehova, kepa abenza iqiniso ba yintokoze yake.

23 Umuntu o hlakanipileyo u ya filhla ukwazi, kanti inhliziyoyeziula i ya pimisela ubuula.

24 Isandhla sabakuteleyo so busa, kodwa onqenayo wo teliswa.

25 Uvalo enhliziyweni yomuntu lo yi tobisa, kodwa izwi elimnandi lo yi jabulisa.

26 Olungileyo u ya si qondisa isihlobo sake, kanti indhlela yabashingayo i ya ku bedusa.

27 O nqenayo aka yi kosa inyamazane yake, kepa imfuyo yesikutali i ya sinda.

28 Ekuhambeni kokulunga, ku kona ukupila; na sendhleleni yako a ku kokufu.

### ISAHLUKO 13.

**I**NDODANA e hlakanipileyo i ya fundiswa uyise, kepa isideleli ka si zwa ukululekwa.

2 Ngokutela komlomo womuntu, u ya kudhla okulungileyo, kodwa umpefumlo wabonakalisayo ukhlupeka.

3 O lindayo umlomo wake, u ya geina ukupila kwake; kanti o kamisa kakulu izindebe zake, wo ba nokuciteka.

4 Umpefumlo wake o ivila u ya fisa a ku konto, kepa umpefumlo wabakutalayo wo suta nokusuta.

5 Indaba yamanga o lungileyo wo yi zonda, kodwa ishinga lenza kabi li hlazisa.

6 Ukulunga ko m geina ondhlela yake i lungile, kodwa okubi ku ya si wisa isoni.

7 Ku kona o zityo u cebile, kepa a ku konto; ku kona o zityo u mpofu, kepa ingeebo inkulu.

8 Isihlalo sokupila komuntu si ubucebi bake, kepa ompofu a kezwa ukululekwa.

9 Ukukanya koqoto ku nenjabuliso, kodwa isibani sababi si ya kucinywa.

10 Inkani i vezwa ngokuzidhla kupela, kodwa kubo aba vuma ukululekwa ku kona ukuqonda.

11 Ingeebo e vela kalula yo ncipa, o yi butayo esandhlani, u ya ku yandisa.

12 Itemba eli lityaziweyo li ya kataza inhliziyoyeziula, kodwa intando efeziweyo i ngumuti wokupila.

13 O li delayo izwi wo bujiswa, kodwa o wesabayoyumalo wo vuzwa.

14 Umnteto wohlakanipileyo u ngumtombonyokupila, ukuze ku mukwe kuyo imigibe yokufa.

15 Ukuqondisa okumnene ku ya veza umusa, kodwa indhlela yabakohlisayo i lukuni.

16 Bonke abahlakanipileyo ba ya kwenzan ngokwazi, kodwa isiula si ya beneka ubuula.

17 Isitunywa esibi so wa enkatanzweni, kodwa umtunywa o kolekileyo u ya pilisa.

18 Ubumpofu nehlaho ko ba kuye o delayo ukufundisa, kanti yena o lalela ukululekwa wo dunyiswa.

19 Intando efeziweyo yo ba mnandi empefunhlweni, kodwa ku into e zondekayo eziuleni ukusuka ebubini.

20 O hamba nabahlakanipileyo wo hlakanipila naye, kodwa o tanda iziula wo ba omubi.

21 Okubi ko landela izoni, kodwa abaqoto wo ba vuzwa ngokuhle.

22 Olungileyo wo benza abantwana babantwana ba be abadhli befa, kodwa ingeebo yesoni i ya geinelwa oqoto.

23 Indima yabampofu i nokudhla okuningi, kodwa ku kona ukuciteka ngokungalungi.

24 O yeka uswazi, u ya zouda indodana yake, kepa o yi tandayo u ya mfunela ukululekwa.

25 Olungileyo u ya dhla a ze a hluleke, kodwa isisu somubi so swela.

ISAHLUKO 14.

UMFAZI ohlakanipileyo u yaka indhlu yake, kanti o isiula u ya yi cita nge-zandhla zake.

2 O hamba ngobuqoto bake u ya m esaba uJehova, kanti o pambene ngezindhlehla zake, u ya m dela.

3 Emloonyeni wesiola i kona intonga yokuzidhla, kanti izindebe zabalhakanipileyo zo ba gcina.

4 Nxa kungeko izinkomo, isibaya si ze, kanti ku kona inzuzo enkulu ngamandhla enkabi.

5 Ufakazi weqiniso a ka yi ku qamba manga; kanti ufakazi ongaqinisile wo pimisela amanga.

6 O hlekayo u ya funisisa ukuhlakanipia, kepa a kuko kuye; kanti ukwazi ku lula koqondayo.

7 Deda kumuntu o isiula, nxa u nga boni kuye izindebe zokwazi.

8 Ukuhlakanipia koqapelayo ku ngukuqonda indhlehla yake; kanti ubuula beziula bu yinkohliso.

9 Umnikelo wesono u ya hlekisa iziula; kanti pakati kwabalungileyo ku kona ukwamkelwa kahle.

10 Inhliziyo i ya kwazi ukubaba kwayo; kanti umfokazi a nge patane nenjabulo yayo.

11 Indhlu yababi i ya kucitwa; kanti itente labalungileyo li zo hluma.

12 I kona indhlehla elungileyo ebusweni bomuntu, kepa ukukaula kwayo ku yizindhlehla zokufa.

13 Na sekwenameni inhliziyo i nobuhlungu; futi ukupela kwenjabulo ku lusizi.

14 O pambuka enhliziyweni wo suta ngezindhlehla zake; kanti olungileyo u kude naye.

15 Isipukupuku si ya kolwa kuwo onke amazwi; kanti ohlakanipileyo wo qonda imihambo yake.

16 O hlakanipileyo u yesaba, u deda kuko okubi; kanti isiula si ya zikulisa, si nge nakukatala.

17 O tukutela masinya u yenza ubuula; futi umuntu wamacebo wo zondwa.

18 Abangahlakanipileyo ba li dhla ifa lobuula; kanti abahlakanipileyo ba hlobisiwe ngokwazi.

19 Ababi ba toba pansi ebusweni balungileyo; nabashlingayo ngasemasangweni oqoto.

20 Ompofu u ya zondwa na ngowakelene naye; kanti abatandi bocebileyo baningi.

21 O dela owakelene naye u yona; kanti o haukela abahlupekayo u busisiwe.

22 A ba yi kweduka yini aba qamba okubi? kanti umusa neqiniso ku kubo aba qamba okulungileyo.

23 Emsebenzini wonke i kona inzuzo; kepake inkulumo yezindebe i banga ubumppofu.

24 Umqele wabaqondileyo u ubucebi babo; kepake ubuula beziula bu ubuula nje.

25 Ufakazi o qinisileyo u ya sindisa imipefundo; kodwa o namanga u pimisela amacebo.

26 Ngokumesaba uJehova ku kona itemba eliqinileyo; nabantwana bake bo ba nendawo yokupepela.

27 Ukumesaba uJehova ku ngumtombu wokupila, ukuze ku mukwe ezihlizeni zokufa.

28 Ngobuningi babantu lu kona udumo lwenkosi, kepake ukuciteka kwenkosi ku nguku ba swela abantu.

29 O puza ukutukutela u ya qonda kodwa o tyetya ukuvuka, u ya pakamisa ubuula.

30 Inhliziyo etulisayo i ubomi benyama yake; kepake umona u ukubola kwamatambo.

31 O hlupa ompofu u ya m delela umenzi wake: kodwa yena o m dumisayo, u ya m haukela umdingi.

32 Onakalisayo u ya xotywa ekonakaleni kwake; kodwa o qoto u netemba ekufeni kwake.

33 Ukwazi ku sa hlezi enhliziyweni yake o nokuqonda; kepake ku ya kwaziwa loko okupakati kweziula.

34 Ukulunga ku ya li pakamisa isizwe; kodwa ukona ku yihlazo kubantu bonke.

35 Umusa wenkosi u kuyo inceku e qondayo; kodwa ulaka lwayo lu ya ku ba kuye o hlazisayo.

ISAHLUKO 15.

UKUPENDULA kahle ku ya nqanda intukutelo; kodwa izwi elibabisayo li vusa ulaka.

2 Ulimi lwabahlakanipileyo lwenza ku be mmandi ukwazi; kodwa umlomo weziula u ya pupuma ubuula.

3 Amehlo ka Jehova a sezindaweni zonke, e bona ababi nabahle.

4 Ulimi olutulisayo lu umuti wokupila; kodwa ukupambeka ngalo ku ngukucoboza komoya.

5 Isiula si ya dela isifundo sika yise; kodwa o kumbula ukululekwa wo xwaya.

6 Endhlini yolungileyo ku kona imfuyo enkulu; kodwa enzuzweni yomubi ku kona inkatazo.

7 Izindebe zabahlakanipileyo zi ya hlakaza ukwazi; kodwa inhliziyo yesiula a i njalo.

8 Umnikelo wababi u isinengiso kuJehova; kodwa ukukuleka kwabalungileyo ku injabuliso yake.

9 Indhlela yomubi i isinengiso kuJehova; kepa u ya m tanda o landa ukulunga.

10 Ukutyaywa okubuhlungu ku kuye o yi shiya indhlela: o zonda ukululekwa u ya kufa.

11 iSheoli nendawo yokubujiswa ku pambi kuka Jehova; kakulu kangakana izinhliziyu zamadodana abantu.

12 Umhleki a ka m tandi yena osolayo; a ka yi ku ya kwabahlakanipileyo.

13 Inhliziyo e nentokozi i yenza ubuso bu be buhle; kodwa ngobuhlungu benhliziyo umoya u ya puka.

14 Inhliziyo yoqondayo i ya funa ukwazi; kepa umlomo weziula wo bu dhla ubuula.

15 Zonke izinsuku zohlupekayo zimbi; kepa inhliziyo enama i nokudhla oku m sutisayo njalo.

16 Okuncane kanye nokumesaba uJehova kuhle ku nemfuyo eningi nenkatozo kanye nayo.

17 Isidhlo semfino, lu kona utando kuso, sihle ku nenkabi ekulupalisiweyo, ku kona inzondo.

18 Umuntu o nolaka u banga inkani; kodwa yena o puza ukutukutela u ya tulisa inkani.

19 Indhlela yevila i njengotango lwa-meve; kanti indhlela yabaqoto iyo elungisiweyo.

20 Indodana ehlakanipileyo i intokozi kuyise; kodwa umuntu o isiula u ya m delela unina.

21 Ubuula bu yintokoziso kuye o ntula ingqondo; kodwa umuntu o qikelayo wo qondisa ukuhamba kwake.

22 Uma kungeko ukuqondisa, amacebo

a ya puteka; kepa ngobuningi babaqondisayo a ya kuma.

23 Umuntu u nentokozi ngempendulo yomlomo wake; ku ti izwi eli kulunywa ngesikati esifancileyo lihle kangakana-na!

24 Indhlela yokupila koqondileyo i ngapezulu, ukuze a penduke kulo isheli ngapansi.

25 Indhlu yabazidhlayo uJehova wo yi cita; kodwa umkaulo womfelokazi wo wu qinisa.

26 Amacebo amabi a ngukunengeka kuka Jehova; kepa amazwi amnandi a hlanzekile.

27 Opanga impango u ya kataza indhlu yake; kodwa yena o zonda iminikelo yokupambukisa wo pila.

28 Inhliziyo yoqoto i ya cinga ukupe-ndula; kodwa umlomo wababi u ya bodhla izinto ezimbi.

29 uJehova u kude nababi; kodwa u yezwa ukukuleka kwabalungileyo.

30 Ukukanya kwamehlo ku ya tokozisa inhliziyo; nendaba enhle i ya kulupalisa amatambo.

31 Indhlebe ezwayo ukululeka kukupila yo hlala pakati kwabaqondileyo.

32 Yena o ku ngabayi ukufundiswa u ya dela umpefumlo wake: kodwa yena ozwayo ukululeka u ya zuza ukwazi.

33 Ukumesaba uJehova ku ngukufundisa kokwazi; ku ti ngapambi kodumo ku kona ukutobeka.

## ISAHLUKO 16.

**U**KUCEBA kwenhliziyo ku kumuntu; kodwa ukupendula kolimi ku vela kuJehova.

2 Zonke izindhlela zomuntu zimblope emehlweni ake; kepa uJehova u ya lingenisa imimoya.

3 Gingqela kuJehova imisebenzi yako: ko ti izizindhlo zako zi qiniseke.

4 uJehova u zenzele konke; yebo nomubi u m enzele usuku olubi.

5 O zidhla enhliziyweni yake u ngukunengeka kuJehova; noko isandhla, si bambana nesandhla, a ka yi ku tetelwa.

6 Ngobubele na ngeqiniso isono si ya hlaulelwa; ku ti ngokumesaba uJehova ku ya mukiswa kuko okubi.

7 Nxa imihambo yomuntu i m kolisa uJehova, wo zenza izita zake zi hlangane naye.

8 Kuhle okuncane kanye nokulunga, ku nenzuzo enkulu, kungeko ukulunga.

9 Inhliziyo yomuntu i ya zicingela indhlela yake; kodwa uJehova u ya qondisa ukunyatela kwake.

10 Izwi elikulu li sezindebeni zenkosi; umlomo wayo a u yi ku kohlisla ekwahluleni.

11 Uti lokulinganisa nezikalo zokulungana ezake uJehova; amatye onke esikwama a ngumsebenzi wake.

12 Ku ngukunengeka emakosini ukwenza okubi; ngokuba isihlalo sobukosi si ya qiniswa ngokulungileyo.

13 Izindebe ezilungileyo zi yintokozo yamakosi; ku ti o kuluma ngokufaneleyo, wo tandwa.

14 Ulaka lwenkosi lu izitunywa zokufa; kepa umuntu ohlakanipileyo wo lu tambisa.

15 Ekukanyeni kobuso benkosi ku kona ukupila; nomusa wayo u njengefutu lemvula ya semuva.

16 Kuhle kangakanana ukuzuzwa ukuhlakanipa ku negolide! nokuzuzwa ukugqonda nga ku ketwa ku nesiliva.

17 Umendo wabaqoto u ngukufulatela ebubini; o londa umpefumlo wake u ya gcina indhlela yake.

18 Ukuzidhla ku yandulela ukubujiswa, nomoya ozikulisayo u yandulela ukuwa.

19 Kuhle ukuba nomoya otobekileyo kanye nabatobekayo, ku nokwahlulelana nabazidhlayo ngempango.

20 O qonda ngendaba wo tola okuhle; futi otembayo kuJehova, u nokutokoza.

21 Kohlakanipileyo enhliziyweni ko tiwa u ngoqondayo; ku ti ubumrandi bezindebe bu yandisa ukwazi.

22 Ukwazisa ku ngumtombo wokupila kuye o nako; kepa isifundiso seziula si ubuula.

23 Inhliziyo yohlakanipileyo yo fundisa umlomo wake, u ya kwenza ukwazi ezindebeni zake.

24 Amazwi amuandi a njengoju lwama-keba, amtoti empefumleni, a impiliso ematanjeni.

25 I kona indhlela elungileyo ebusweni bomuntu, kanti ukupela kwayo ku zindhlela zokufa.

26 Ukukanuka komuntu okutalayo ku nzima kuye; ngokuba umlomo wake u ya m quba.

27 Umuntu omubi u ya panda okubi; ku ti ezindebeni zake ku njengomlilo o vutayo.

28 Umuntu o isideleli u ya vusa inkani; nomecezezi u ya hlukanisa izihlobo.

29 Umuntu o nonya wo m yenga owakelene naye, a m holele endhleleni engalungile.

30 O cimeza amehlo ake a cebe okupambeneyo, e luma izindebe zake, u se kwenzile okubi.

31 Izinwele ezimpunga zi uncele wobuhle, nxa' zi funyanwa endhleleni yokulungana.

32 O puza ukutukutela u lungile ku nalo iqawe; no busa emoyeni wake kuye o ngoba umuzi.

33 Itye lenkato li bekiwe esifubeni; kepa ukwahlula kwalo konke ku kuJehova.

### ISAHLUKO 17.

**K**UHLE umtama omileyo, ku kona ukuhlala kahle; ku nendhlu e gwele ngokuhlatiyweyo, ku kona inkani.

2 Inceku eqondileyo yo busa pezu kwendodana ehlasizayo, yo ti i dhle lile kanye nabazalwane.

3 Ukamba lokuncibilikisa o lwesiliva, nesitando e segolide; kepa o hlola izinhliziyu u nguJehova.

4 O wenza okubi u ya lalala izindebe ezi namanga; o qamba amanga u ya beka indhlebe kulo ulimi olubi.

5 O hleka ompofu u ya m delela umenzi wake; o jabula ekuciteni okuzumayo a ka yi ku tetelelwa.

6 Abantwana babantwana ba umqele wabadala; nesiyunulo sabantwana si oyise babo.

7 Izindebe zenshumayelo enhle a zi fanele isiula; kakulu kangakanana izindebe zamanga a zi fanele isikulu.

8 Umnikelo u yitye elihle emehlweni omninivo; izindawo zonke lapo e beke kona, zo ba igunu.

9 O tukusa isipambuko u ya funa utando; kepa o pinda a vuse indaba u ya hlukanisa izihlobo.

10 Ukukuza ko ngena kuye oqondayo ku nokutyaya isiula ka ikulu.

11 Omubi u ya funa inkani kupela; kepa isitunywa esi nolunya si ya ku tonyelwa kuye.

12 Hlangana nebere e lapuciwe amandhlu alo ngumuntu, kepa u nga hlangani nesiula ebuuleni baso.

13 O pindisela okuhle ngokubi, ububi a bu yi ku muka endhlini yake.

14 Isiqalo sokupika inkani si njengokubobozela amanzi; ngako yeka inkani i nga ka tyi.

15 O ti u lungile omubi no lahla olu-

ngileyo, ba ukunengeka kuJehova bona bobabili.

16 Yini ukuba inani li sesandhlani sesiula, si zuze ukuhlakanipa, uma ingqondo a iko na?

17 Umhlobo u ya tanda ngezikati zonke; kepa umzalwane ekuhlupekeni nga e zalwa.

18 Umuntu o nge nakuqonda u ya bambana ngezandhla, enza ukuqinisa ebusweni besihlobo sake.

19 O tanda ukuxabana u tanda inkani; naye o li pakamisayo isango lake u funa ukuciteka.

20 O nenhliziyo embi a ka yi ku tola okuhle; naye o guquguquka ngolimi u ya kuwa ebubini.

21 O zalayo isiula ku ukuhlupeka kuye; noyise wesiula a ka jabuli.

22 Inhliziyo ejabulayo i ya polisa kahle; kepake umoya owapukileyo wo lomisa itambo.

23 Umnikelo u ya tatyatwa esifubeni somubi ukupambukisa imihambo yokwahlula.

24 Ukuhlakanipa ku pambi kwake o nenqondiso; kodwa amehlo esiula a semikaulweni yomhlaba.

25 Indodana e isiula i inkatazo kuyise, nokubaba kuye o wa m zalayo.

26 Ukuhlupa abalungileyo a ku fanele, nokutyaya izikulu kubi.

27 O bamba amazwi ake u ya kwazi ukwazi; noqondayo u nomoya opolileyo.

28 Nesiula, nxa si tule, ku tiwa si qondile; no vala umlomo wake ku tiwa umuntu wokuqonda.

#### ISIAHLUKO 18.

**O**ZAHLUKANISAYO wo funa okukanukwayo, u ya kanuka kuko konke ukuqondisa.

2 Isiula a si jabuli ngokuqonda, kodwa ekuzibukuleni kwenhliziyo yaso.

3 Nxa ku fika omubi, ku fika noku-delela, nenhlamba nokutuka.

4 Amagama omlobo womuntu a nje-ngamanzi a julileyo, nomtombo wokuhlakanipa u umfula ompompoyayo.

5 Ukunaka ubuso bomubi a ku lungile; ukupambukisa abaqoto ekwahluleni a ku lungile.

6 Izindebe zesiula zi ya ngena enkani-ni, nomlomo wake u ya biza imivimbo.

7 Umlomo wesiula u ukuciteka kuso, nezindebe zaso zi umgibe empefumlweni waso.

8 Amazwi omcezezi a njengemitamo e minzwa masinya, kepa yona i yehlela emagumbini esisu.

9 O vilapela umsebenzi wake, u umfo wabo o citayo.

10 Igama lika Jehova li inqaba e namandhla; olungileyo u gijimela pakati kwayo a sinde.

11 Imfuyo yesicebi i inqaba yaso e namandhla; njengodonga olude ekuzindhlani kwaso.

12 Ku nga ka fiki ukucitakala inhliziyo yomuntu i pakamile, lu nga ka biko udumo ku kona ukutobeka.

13 O pendula indaba e nga ka yi zwa, ku ubuula kuye nehlozo.

14 Umoya womuntu wo twala ukugula kwake; kepake umoya omunyu u nga twalwa ubani na?

15 Inhliziyo yomuntu oqondileyo i ya zuza ukwazi; nendhlebe yabahlakanipileyo i ya funa ukwazi.

16 Umnikelo womuntu u ya m enzela indawo, u ya m zisa pambi kwezikulu.

17 O ngowokuqala ecaleni lake, kungati u lungile yena; kepake umhlobo wake u ya fika, a m hlolisise.

18 Inkato i ya qeda izinkani, yahlukanise pakati kwaba namandhla.

19 Umzalwane o woniweyo u ya hlula umuzi o namandhla; futi izinkani zabo zi njengemivalo yenqaba.

20 Isisu somuntu so suta ngesitelo somlomo wake; ngobuningi bamazwi ake u ya kusuta.

21 Ukufa nokupila ku semandhlani olimi; aba lu tandayo bo si dhla isitelo salo.

22 O fumana umfazi, u ya fumana okulungileyo, u zuzile umusa kuJehova.

23 Ompofu u ya kuluma ngokuncenga; kodwa isicebi si pendula ngokukulukuni.

24 Umuntu wezihlobo wo tiwa o mubi; ku kona isihlobo esi namatela ku neselamane.

#### ISIAHLUKO 19.

**O**MPOFU o hamba ngeqiniso lake u lungile ku nalowo o pambene ngezindhlela zake, e isiula.

2 Futi a ku lungile ukuba umpefumlo u nga bi nakwazi; notyetyayo ngezinyawo u yeduka.

3 Ubuula bomuntu bu yonakalisa indhlela yake, nenhliziyo yake i tukutela ngakuye uJehova.

4 Ingebo i yenezela izihlobo eziningi,

kepake ompofu u ya hlukaniswa kuso isihlobo sake.

5 Ufakazi wamanga a ka yi ku ba o nge nacala, nopefumlayo amanga a ka yi kwepepa.

6 Ba ningi aba kuleka esikulwini; nabo bonke ba izihlobo ku yena o wepanayo.

7 Abazalwane bonke bompofu ba m zonda; kakulu kangakanana izihlobo zake zi suka kude naye; e landa amazwi, a wako wona.

8 O zuza ukwazisisa, u ya tanda owake umpefumlo, kepake o londa ukuqonda wo tola okuhle.

9 Ufakazi wamanga ka yi ku ba o nge nacala; o pefumla amanga wo buba.

10 A ku bukeki esuleni ukuba si pile ngenala; kakulu kambe a ku bukeki ukuba isiula si buse pezu kwezikulu.

11 Ukuqondisa komuntu ku ya libazisa ulaka lwake; ku udumo lwake ukutetela isipambuko.

12 Ulaka lwenkosi lu njengengonyama ebodhlayo; kepa umusa wayo u njengamazolo pezu kotyani.

13 Indodana e yisiula i inhlupeko enkulu kuyise; nezinkani zomfazi zi ukuconsa njalo njalo.

14 Indhlu noncebo ku ifa eli vela koyise; kanti umfazi o qondayo u vela kuJehova.

15 Ubuwila benza ubutonga bu wepezu komuntu; nonpefumlo onqenayo wo lamba.

16 O londa unyalo, u londa umpefumlo wake; o nga naki izindhlela zake, u ya kubujiswa.

17 O haukela umpofu, u ya m tyeleka uJehova; nako ukwenza kwake wo m vuza ngako.

18 Yi tyaye indodana yako, ngokuba li kona itemba; kodwa u nga vuseli umpefumlo wako ku be ukubulawa kwake.

19 Umuntu wolaka olukulu, nga e hlauliswa; ngoba uma u m sindisa, nga u buya u pinde.

20 Yizwa ukuqondisa, wamkele ukulungiswa, ukuze u be nokuhlakanipa esikatinini sako sokugeina.

21 A kona amacebo amaningi enhliziyweni yomuntu; kodwa icebo lika Jehova, lona li ya kuma.

22 Okufiswayo komuntu ku ububele bake; naye ompofu u lungile ku nomuntu wamanga.

23 Ukumesaba uJehova ku ngukupila;

o nako wo hlala e koliwe; a ka yi kwehlelwa ububi.

24 Ivila li ya fihla isandhla salo esityeni, a li si buyiseli na semlonyeni walo.

25 Tyaya isihlekisi, ko ti ongahlakanipileyo a xwaye; u m luleke oqondayo, wo qonda ukwazi.

26 O cifa uyise, e xotya unina, u yindodana e jabisayo nehlazisayo.

27 Peza ndodana yami ukulalela isifundiso esidusayo emazweni okwazi.

28 Ufakazi omubi u ya dela ukwahlula; nomlomo womubi u ya gwinya ukonakala.

29 Ukwahluleka ku ya lungiselwa izideleli, nemivimbo umhlana weziula.

### ISAHLUKO 20.

IWAINI li isideleli; okupuzwa oku namandhla ku veza umsindo, o dukiswa ilo a ka hlakanipile.

2 Ukwesabeka kwenkosi ku njengokubodhla kwengonyama entya; o yi tukutelisayo u ya wona umpefumlo wake.

3 Ukuhlala kude nenkani, ku udumo kumuntu; kodwa zonke iziula zo tukutela.

4 Ivila a li yi ku lima ngenxa yobusika; ngako lo nxiba ekwindhla ku ngekonto.

5 Icebo eli senhliziyweni yomuntu li ngamanzi ajulileyo; kepa umuntu oqondayo wo li kipa.

6 Imvama yabantu ba shumayela lowo na lowo obake ubunene; kepake umuntu o qiniseleyo a nga funyanwa ubani na?

7 O hamba ngeqiniso lake u lungile; abantwana bake ba ya busiswa emva kwake.

8 Inkosi e hlezi esihlalweni sokwahlula, i hlakaza konke okubi ngamehlo ayo.

9 Ubani o nga tyo ukuti, ngenzile inhliziyoyami i be mhlope, ngi hlanzekile kuko ukoua kwami?

10 Izisindo zezinhlobo ezimbili, nezilinganiso zezinhlobo ezimbili zimbi kuJehova zozombili.

11 Umtwana u yaziwa ngemisebenzi yake, noma umsebenzi wake u mhlope noma u lungile yini.

12 Indhlebe ezwayo, neso elibonayo, uJehova u kwenzile kokubili.

13 U nga tandi ubutongo, funa u fike-lwe ubumpofu; vula amehlo ako, u sute isinkwa.

14 Kubi, kubi, ku tyo umtengi; kepa se e mukile a hambe, u zigabisa.

15 Ku kona igolide, namaperele amaningi; kodwa izindebe zokwazi zi isitya esi igugu.

16 Tabata ingubo yake o zimela umfo; u n hope ngesibambiso ngenxa yabafo.

17 Isinkwa senkohliso si mnandi kumuntu; kodwa emuva unlomo wake wo gwala ugedhle.

18 Amacebo a ya ku qiniswa ngokuqondisa; yenza impi ngecebo elihle.

19 O hambahamba e umcetezi u yambulula okufihlekileyo, ngako u nga kolani naye o vulayo unlomo wake.

20 O tuka uyise nonina, isibani sake si ya ku einywa ebumnyameni obukulu.

21 Imfuyo i nga zuzwa ngokutyetya ekuqaleni; kodwa ukupela kwayo a i yi ku ba nenhlanhla.

22 U nga ti, Ngo pindisela okubi; bheka kuye uJehova, u ya ku ku naka.

23 Izisindo ezinhlobo zimbili zimbi kuJehova; nezilinganiso zenkohliso zimbi.

24 Izinyatelo zomuntu zi ngakuye uJehova; Umuntu a nga yazisa kanjani indhlehla yake na?

25 Ku yisihibe kumuntu ukuba a kulume okuyingewele ngokungaqondi, nangesemva kwezifungo, a buye a buze.

26 Inkosi eqondayo i ya cita ababi, i li hambise pezu kwabo isondo.

27 Umpefumlo womuntu u isibani sika Jehova, esi penyisisa izindawo zonke ezi pakati kombilini.

28 Umusa neqiniso ku ya londa inkosi; kuti i ya pasa isihlalo sayo sobukosi ngobubele.

29 Isivunulo sabatya si amandhla abo; kepa udumo lwamaxegu lu izimvi zawo.

30 Imivimbo elimazayo i umuti wokwelapa omubi; nokukalela emagumbini ombilini.

### ISAHLUKO 21.

**I**NHLIZIYO yenkosi i sesandhleni sika Jehova, njengemifula yamanzi; u ya yi pendula lapo e tandayo.

2 Zonke izindhlehla zomuntu zi lungile emehlweni ake, kepa uJehova u ya zi liunganisa izihliziyo.

3 Ukwenza okuqiniseleyo nokwahlula ku ya tandeka kuJehova ku nomnikelo.

4 Ukupakama kwamehlo, nokuzidhla kwenhliziyo, nokukanya kwababi, ku isono.

5 Amacebo okutalayo a ngasekwandeni; kepa amacebo abo bonke aba tyetyayo, a ngasebumpofwini.

6 Ku kona ukuzuza imfuyo ngolimi lwamanga, abanjalo ba umoya o hanjswayo aba funa ukufa.

7 Ukupanga kwababi ku ya ku ba cita; ngokuba ba ya nqaba ukwenza ukulunga.

8 Opambukileyo endhleleni u ngumuntu o necala; kepa ohlanzekileyo u ya qonda ukwenza kwake.

9 Ku lungile ukuhlala egumbini pezu kwendhlu, ku nokuhlala nomfazi wenkani endhlini e hlanguyelweyo.

10 Umpefumlo wababi u funa okubi; umhlobo wake a ka yi ku funyana umusa emehlweni ake.

11 Ngokutyaywa kombheki, o ngenakuhlakanipa wo hlakanipiswa; na ngokufundisa kohlakanipayo, wo fumana ukwazi.

12 O lungileyo u ya qonda indhlu yomubi; uTixo u ya ku wisa ababi ebubini.

13 O vimba izindhlebe zake, ekukaleni kombunce, wo kala naye, kepa a ka yi ku zwiwa.

14 Isipo ekufihlekeni si ya tambisa ulaka; nomvuzo esifubeni ukutukutela okukulu.

15 Ku injabulo kolungileyo ukwenza ukulunga; kodwa ukuciteka ko ba kubo aba sebenza okubi.

16 Umuntu o duka endhleleni yokugqonda, wo hlala enhlanganweni yamatongo.

17 O tanda ukwenama, wo ba umuntu ompofu; O tandayo iwaini namafuta, a ka yi ku ceba.

18 Omubi wo ba isizi ngenxa yolungileyo, nokohlisayo esikundhleni sabaqoto.

19 Ku lungile ukuhlala ehlane, ku nokuhlala nomfazi o nenkani otetayo.

20 Ku kona imfuyo efisekayo, namafuta endhlini yohlakanipileyo; kepa o isiula u ya yi cita.

21 O landa ukulunga nomusa wo tola ukupila, nenhladhla, nodumo.

22 O hlakanipileyo u yenyukela emuzini wamaqawe, u wisa pansi itemba lawo eli namandhla.

23 O linda unlomo wake nolimi, u ya gcina umpefumlo wake kuzo izinkatazo.

24 Okukumalayo e zidhla, umhleki u igama lake, u yenza ngokukumala kokuzidhla.



25 Ukukanuka kwevila ku ya li cita; ngokuba izandhla zalo zi ya nqaba ukusebenza.

26 U ya fisa nokufisa imini yonke; kodwa olungileyo wo nika, e nga nciyani.

27 Umnikelo wababi u into ezondekayo; kakulu kangakanana lapo e wu zisa ekwenakaleni.

28 Ufakazi wamanga wo buba; kanti umuntu ozwayo iqiniso wo kuluma ku ze ku be sekupeleni,

29 Umuntu omubi u ya benza ubuso bake bu be lukuni, kepake olungileyo wo zi qondisa izindhlela zake.

30 A kuko ukwazi, a kuko nokuqonda, a kuko nacebo, ngapambi kuka Jehova.

31 Ihashi li ya lungiselwa usuku lokulwa; kepake ukusindiswa ku kuJehova.

### ISAHLUKO 22.

**I**GAMA elihle, li ya keteka ku nengcebo enkulu, nomusa ku nesiliva negolide.

2 Abacebileyo nabampofu ba hlangana; uJehova u ngumenzi wabo bonke.

3 O xwayayo u ya bona okubi, a bace; kepake aba iziula ba dhlula nje, ba tola ingozi.

4 Ngenxa yokutoba okukuti ukumesaba uJehova, ku kona ingcebo, nodumo, nokupila.

5 Ku kona ameva nemigibe endhleleni yabadukayo; kanti o linda umpefumlo wake wo deda kuko.

6 Luleka umntwana ngokwendhlela yake; ko ti e semdala a ka yi ku pambuka kuyo.

7 Isicebi so busa pezu kwabampofu, naye o tyelekwayo wo ba inceku kumuntu o m tyelekayo.

8 O hlwanyela ukonakala wo vuna okubi, i ti i pele intonga yolaka lwake.

9 O neso eli nobubele wo busiswa; ngokuba u ya ba pa abampofu o kwesinkwa sake.

10 Xotya isideleli, ko deda nenkani; yebo, ko pela ukupika inkani nehlaho.

11 O tanda ubumhlope benhliziyo, o nomusa ezindebeni zake inkosi i isihlobo sake.

12 Amehlo ka Jehova a ya geina ukwazi, kepa u ya cita izindaba zomni.

13 Li ti ivila, Ku kona ingonyama ngapanhle, ngo bulawa ezindhleleni.

14 Umlomo wesipingi u umgodi ojuli-

leyo; o nengwa uJehova u ya kuwela kona.

15 Ubuula bu botyiwe enhliziyweni yomntwana; uswazi lokululeka lo bu xotyela kude kuye.

16 O hlupa ompofu ukuba andise infuyo yake, u ya m nika ocebileyo, a ze a fike ekusweleni.

17 Nika indhlebe yako, u zwe amazwi abahlakanipileyo, u beke nenhliziyo ekwazini kwami.

18 Ngokuba kuhle uma u wa londa embilini wako; uma a ya bekwa ezindebeni zako.

19 Ukuze itemba lako li be kuye uJehova, ngi kwazisile wona namuhla, wena pela.

20 A ngi ku lobelanga kuqala ngokululeka nangokwazi na?

21 Ukuze ngi kwazise iqiniso lamazwi a nga pikwayo; ukuba u ba pendulele bona aba ku tumileyo amazwi a qinisileyo.

22 U nga m pangi ompofu ngokuba empofu; u nga m hlupi nomdingi esangweni.

23 Ngokuba uJehova wo ba vikela; a bapuce bona aba ba panga ngompefumlo wabo.

24 U nga hlangani nomuntu o nolaka; u nga hambani nomuntu o isijaka.

25 Funa u zi funde izindhlela zake, u tabate umgibe wompefumlo wako.

26 U nga bi owabo aba bambana izandhla, naba mela amacala.

27 Nxa u nge nanto ukukoka, yini ukuba a suse ukuko lwako ngapansi kwako na?

28 U nga susi umkaulo omdala, okoko aba wu misileyo.

29 U ya m bona umuntu e hlakanipile emisebenzini yake na? U ya kuma pambi kwamakosi; e ngemi pambi kwabafokozana nje.

### ISAHLUKO 23.

**N**XA u hlala ekudhleni kanye nombusi, qonda loko oku pambi kwako.

2 Beka umese empinjeni wako, nxa u ngumuntu ohahayo.

3 U nga kanuki ukudhla okumnandi kwake, ngokuba ku ngukudhla kwenkohliso kona.

4 U nga kataleli ukuba u be nengcebo, peza ekuqondeni kwako.

5 Wo ndizisa amehlo ako kuko na? a ku se ko belu, ngokuba ku ya ku zenzela amapiko; na njengenqo ku ndizele ezulwini.

6 U nga dhli isinkwa sake o neso elibi, u nga kanuki ukudhla kwake okummandi.

7 Ngokuba njengaloku e cabanga enhliziyweni yake, u njalo yena; yidhla u puze, u ti kuwe; kepa inhliziyoyake ayiko kuwe.

8 Ngokuba umtama wako o wu dhli-leyo wo buya u wu hlanze, u cite amazwi ako ammandi.

9 Musa ukukuluma ezindhlebeni zesiuila; ngokuba si ya kudelela ukwazi kwamazwi ako.

10 U nga susi umkaulo omdala; u nga ngeni emasimini ezintandana.

11 Ngokuba umkululi wazo u namandhla; wo zi pikela nga kuwe.

12 Beka inhliziyoyako ekufundisweni, nezindhlebe zako emazwini okwazi.

13 U nga yeki ukulungisa umntwana; nxa u m tyaya ngoswazi, a ka yi ku fa.

14 U m tyaye ngoswazi, u kulule umpfumlo wake kusheoli.

15 Ntodana yami, uma inhliziyoyako i hlakanipa, eyami inhliziyoyajabula, yebo eyami.

16 Yeboke izinsu zami zo jabula, nxa umlomo wako u kuluma okufanelekile.

17 Inhliziyoyako ma i nga bi namona ngabo aboni: kodwa ma u be ekumesabeni uJehova izinsuku zonke.

18 Ngokuba uma ku kona okupambile; itemba lako a li yi ku nqunywa.

19 Lalela, Ntodana yami, u hlakanipe, u yi qondise inhliziyoyako endhleleni.

20 U nga bi pakati kwezinseli zewaini; naba iziminzi zenyama.

21 Ngokuba isidakwa nesiminzi ba ya ku fikelwa ubumpofu; ukozela ku ya kwambatisa ngamanikiniki.

22 Lalela uyihlo owa ku zalayo, u nga m deli nonyoko e semdala.

23 Tenga iqiniso, u nga tengisi ngalo; nokuhlakanipa, nokufundisa, nokwazisisa.

24 Uyise wolungileyo wo taba kakulu; no zala oqondileyo wo jabula ngaye.

25 Uyihlo nonyoko bo jabula, naye o ku zaleyo etabe.

26 Ntodana yami, ngi pe inhliziyoyako, amehlo ako ma a qapele izindhlela zami.

27 Ngokuba isifebe si umsele o julileyo, isipingi si igebe eli ingeingu.

28 So qamela njengesela, sandise abakohlisi pakati kwabantu.

29 Ubani o ti, Maye? Ubani o nosizi?

Ubani o nezinkani? Ubani o solayo? Ubani o namanxeba ngeze? Ubani o namehlo a jamayo na?

30 Ibo aba libala ewainini; aba hamba be funa iwaini elixubanisweyo.

31 U nga li buki iwaini nxa li bomvu, nxa li bonisa iso lalo endebeni, nxa li hamba ngobutelezi.

32 Ekupeleni li ya luma njengenyoka, li hlabe njengebululu.

33 Amehlo ako o bona izifebe, nayo inhliziyoyo pimisela okuyize.

34 Yeboke, wo ba njeng o lele pansipakati kolwandhle, njeng o lele pansiensikeni yomkumbu e pezulu.

35 Wo ti ba ngi tyayile, a ngi guli; ba ngi ngalela a ngi kwazanga; uma ngo ba ngi vukile, ngo pinda ngi li fune futi.

#### ISAHLUKO 24.

U NGA bi namona ngabantu ababi, u nga kanuki u be nabo.

2 Ngokuba inhliziyoyabo i ya ceba uhlupo; nezindebe zabo zi ya kuluma okubi.

3 Indhlu i yakiwa ngokuhlakanipa; na ngokuqonda i ya qiniswa.

4 Ngokwazi izindhlwana zonke zi ya ku gewaliswa ngemfuyo yonke enqabileyo.

5 Umuntu ohlakanipileyo u namandhla; yebo umuntu wokwazi u ya qinisisa amandhla.

6 Ngokuba ngamacebo ahlakanipileyo u ya ku zilwela; ku ti ku kona ukusinda ngobuningi babaqondisayo.

7 Ukuhlakanipa ku into enkulu pezu kweziula; a si wu vuli umlomo waso esangweni.

8 O cabanga ukwenza okubi u ya ku bizwa ngokuti umnikaziwo amacebo amabi.

9 Icebo lobuula li isono; kanti umhleki u ya zondeka kubantu.

10 Nxa u dangela ngosuku lwenhlupeko, amandhla ako maneyane.

11 Sindisa bona aba holelwa ekufeni, naba hanjiswa uku bulawa ma u ba vimbele.

12 Nokuba u tyo, Bheka, a si kwazi loku; yena o linga izinhliziyoyo, a ka qondi na? yena o gcina umpfumlo wako a kazi na? Wo ba vuza abantu bonke njengokwenza kwabo.

13 Ntodana yami, yidhla izinyosi, ngokuba zi mmandi; nokuconsa kwoju ku mmandi empinjeni wako.

14 Ko ba njalo kumpfumlo wako

ukwazi kokuhlakanipa; uma u ku to-  
lile, noma ku kona okupambile lapo ite-  
mba lako a li yi ku nqunywa.

15 Wena o mubi, u nga qameli indhlu  
yolungileyo; u nga yi citi inhlaho yake:

16 Nokuba olungileyo e wa kakombi-  
sa, wo buya a vuke: kepake ababi ba ya  
ku kubeka ebubini babo.

17 U nga jabuli; nxa isita sako si wa,  
inhliziyi yako ma i ngetabi ekukubeke-  
ni kwaso.

18 Funa uJehova a bone, ku be kubi  
emehlweni ake, a suse ulaka lwake kuso.

19 U nga zikatazi ngenxa yababi, u  
nga bi namona ngabashingayo.

20 Ngokuba a ku yi kuba kona umvu-  
zo kuwo amashinga; isibani sababi so  
cinywa.

21 Ndodana yami, m esabe uJehova  
nenkosi; u nga hlangani nabo aba gu-  
gugukayo.

22 Ngokuba incitakalo yabo yo vuka  
masinya; nokubujiswa kwabo bobabili  
ubani okwaziyo na?

23 Loku ku ngo kwabalungileyo; uku-  
naka ubuso a ku lungile ekwahluleni.

24 Yena o tyo komubi; Wena u lu-  
ngile; abantu ba ya ku m tuka, izizwe  
zo m zonda.

25 Kanti kubo aba m lulekayo, ko ba  
mrandi; nesibusiso sokulunga so ba  
fikela.

26 Umuntu wo zanga izindebe zake  
zependulayo ngamazwi amahle.

27 Lungisa umsebenzi wako ngapa-  
ndhle, u wu lungise na sensimini; emu-  
va wo yaka indhlu yako.

28 U nga bi ufakazi ngakuye o wake-  
lene naye ngeze, u nga kohlisi ngezinde-  
be zako.

29 U nga ti, Ngi ya kwenza kuye nje-  
ngokwenza kwake kimi; ngo pindisela  
emuntwini njengemisebenzi yake.

30 Nga dhlula ensimini yevila, na nga-  
sevinini lomuntu o swela ukuqonda.

31 Bhekake! yonke ya i kulile ne-  
mbabazana, ubuso bayo bu sibekelwe  
ameva, notango lwamatye lwa be lu  
wile.

32 Nga buka; nga bheka inhliziyi ya-  
mi; nga bona; ngamukela ukufundi-  
swa.

33 Ubutongo obuyincozana, ukozela  
okuyincozana, ukuhlanganisa izandhla  
okuyincozana ukuze ku lalwe.

34 Ko ti ubupofu bako bu fike njengo-  
hambayo; nokuswela kwako njengo-  
hlomileyo.

ISAHLUKO 25.

**F**UTI lezi zi imizekeliso ka Solomona  
ezi balwa iwo amadoda ka Heze-  
kia, inkosi ya seJuda.

2 Udumo luka Tixo lu uku yi fifla  
into; kanti udumo lwamakosi lu uku  
yi penyisisa indaba.

3 Izulu ngokupakama, nomhlaba ngo-  
kujula, i njalo inhliziyi yamakosi, a  
kuko uku yi hlolisisa.

4 Susa inyela kulo isiliva, kona ko m  
pumelela umkandi isitya.

5 Susa omubi ebusweni benkosi, nesi-  
hlalo sayo sobukosi so qiniswa ngoku-  
lungisa.

6 U nga hambi ngokuzidhla pambi  
kwenkosi, u ngemi endaweni yabakulu.

7 Ku lungile ukuba ku tyiwo kuwe,  
ukuti, Nyukela lapa; ku nokuba we-  
hliswe ebusweni benkosi a yi bonileyo  
amehlo ako.

8 U nga tyetyi ukupuma u lwe, funa  
u ngazi u za kwenzaui ekupeleni, nxa o  
wakelene naye a kwenze u be nehlaho.

9 Pikelela indaba yako nowakelene  
nawe; u ngambuli okufihlekileyo ko-  
munye.

10 Funa ozwayo a ku jezisisa, nodumo  
olubi lwako lu nga muki.

11 Izwi eli kulunywa kahle li njenga-  
maperele egolide pakati koku setye-  
nzwa okubaliweyo kwesiliva.

12 Umkuzi ohlakanipileyo u yinda-  
ndato yegolide, u isivunulo segolide eli-  
hle endhlebeni ezwayo.

13 Njengokubanda kongqoqwane nge-  
sikati sokwindhla si njalo isigijimi esi  
kolisileyo kubo aba si tunayo; ngoku-  
ba si ya buyisa umpfumlo wenkosi  
yaso.

14 Ozigabisayo ngomnikelo wama-  
nga, u njengamafu nomoya, ku ngeko  
invula.

15 Ngokubekezela, inkosi i ya nxu-  
swa, nolimi olutambileyo lu ya pula  
itambo.

16 U tolile izinyosi na? yidhla okwa-  
nele wena, funa u cunuke izo, u buye u  
zi hlanze.

17 Unyawo lwako ma lu nga vami  
endhlini yomhlobo wako; funa a dinwe  
nguwe a ze a ku zonde.

18 Umuntu o qamba amanga ngakuye  
o wakelene naye, u isando, nenkamba  
nomcibityelo obukali.

19 Ukwetemba kumuntu o ngakolisi-  
yo ngesikati sobunzima, ku njengezi-  
nyo elapukileyo, nonyawo olwenyeleyo.

20 O yi hlabelelayo inhliziyi e nosizi amagama, u njengohluta ingubo ngesikati samakaza nanjengumunyu pezu kwenitere.

21 Nxa isita sako si lambile, si funze ngesinkwa; nxa somile, si puzise amanzi.

22 Ngokuba wo qonga amalahlle a vutayo ekanda laso, ko ti uJehova a ku vuze.

23 Umoya wa senyakato u ya leta imvula; futi nolimi olufihlayo lu leta ubuso obu nolaka.

24 Ku lungile ukuhlala egumbini pezu kwendhlu, ku nokuhlala nomfazi o nomswindo endhlini e hlanganyelweyo.

25 Izindaba ezinhle ezi vela ezweni elikatyana, zi njengamanzi amakaza kumpufumlo owomileyo.

26 Umuntu olungileyo o zanyazanyiswayo pambi komubi u njengomtombo odungekileyo, nomtunjana onakeleyo.

27 A ku lungile ukudhla izinyosi eziningi; njalo uku zihlotelela udumo, ku nzima.

28 Umuntu, omoya wake o nge nakuvinjelwa, u njengumuzi o citiweyo o nge naludonga.

#### ISAHLUKO 26.

**N**JENGOQOQWANE ehlobo, nanjengenmvula ngesikati sokuvuna, ku njalo udumo, a lu fanele isiula.

2 Njengenyonni ekundindeni njengenkonjane ekundizeni, njalo isituko ku ngeko cala a si yi kuza.

3 Idumbu elehashi, umkala owembonngolo, noswazi o lomhlana wesiula.

4 U nga penduli isiula ngokobuula baso, funa u fane naso wena.

5 Pendula isiula njengobuula baso, funa si be ohlakanipileyo emehlweni aso.

6 O yi tumayo indaba ngesandhla sesiula, u nquma izinyawo, e puza uhlupo.

7 Imilenze yabaqugayo i ya lenga; u njalo umzekeliso emlonyeni wesiula.

8 Njengesikwama samatye amahlle ematweni a qongiweyo, u njalo o si nika isiula udumo.

9 Njengeva eli patwa esandhlani sodakiweyo, u njalo umzekeliso emlonyeni weziula.

10 Isikulu e sona bonke, si setyenzelwa isiula, si setyenzelwa na abahambayo.

11 Njengenja e buyela ebuhlazweni bayo, njalo isiula so pinda ubuula baso.

12 U ya bona umuntu ohlakanipileyo emehlweni ake na, li kona itemba esilweni ku naye.

13 Ovilapayo u ti, i kona ingonyama endhlehleni, ibubesi li semendweni.

14 Njengescapa si penduka ezinsimbini zaso, ovilapayo u yenza njalo okukweni lwake.

15 Ovilapayo u ya fibla isandhla sake esityeni, ku ya m kataza ukusibuyisela emlonyeni wake.

16 Iivila li ngohlakanipileyo emehlweni alo, ku nabayisikombisa abapendulayo.

17 Odhlulayo e tukutela enkanini e nge siyo eyake, u njengobamba izindhlebe zenja.

18 Njengohlanya olu ponsa imikonto etyisayo, nemisebe, nokufa.

19 U njalo o kohliswa owakelene naye, e buya e ti, a ngi dhlali na?

20 Nxa ku ngeko izinkuni, umlilo u ya cima; njalo uma ku ngeko oncetezayo, inkani i ya pela.

21 Njengamalahlle amnyama kuwo amalahlle a vutayo, nezinkuni kuwo umlilo; u njalo o pikisayo ukubasa inkani.

22 Amazwi oncetezayo a njengabadhlayo, noko a ya tyona esiswini ngapakati.

23 Izindebe ezityisayo nenhliziyi embi, zi yisiliva elenekwa esityeni sebumba.

24 Ozondayo u yaziwa ngezindebe zake, embilini wake u ya beka inkohliso.

25 Lapo enza li be mnandi izwi lake, u nga m kolwa; ngokuba ku kona izinengiso ezi isikombisa enhliziyweni yake.

26 Inzondo i yambata inkohliso, inkohlakalo yake yo bonakaliswa pambi komhlangano wonke.

27 Ombayo umgodi, u za kuwa pakati kwawo: o li ginqa itye, lo buyela pezu kwake.

28 Ulimi olu namanga lu ya ba zonda aba pohlozwa ilo; nomlomo o butyelezi u sebenza ukueitakala.

#### ISAHLUKO 27.

**U**NGA zigabiseli ngangomuso; ngokuba a u kwazi oku za ku veliswa usuku.

2 Omunye ma ka ku-bonge, ku nga bi umlomo wako; unifo, ku nga bi izindebe zako.

3 Itye li nzima, nesihlabati si ya sinda; kodwa ukukatazwa isiula ku nzima kuko kokubili.

4 Intukutelo i nonya, ulaka lu ya pupuma; kodwa ubani o ngema pambi komona na?

5 Ukukuza okusobala ku lungile ku notando olufihlekileyo.

6 Izigalelo zotandayo zi kolekile; kepa ukwanga kwesita ku yanda.

7 Umpefumlo o sutiyo u ya nengwa uju; kodwa kumpefumlo olambayo, konke okubabayo ku mnandi.

8 Njengenyonni edukayo esidhlekenei sayo, u njalo umuntu e duka endaweni yake.

9 Amafuta nempepo a jabulisa inhliziyi; bu njalo ubumnandi bomhlobo womuntu obu puma enhliziyweni.

10 Isihlobo sako, nesihlobo sika yihlo u nga si shiyi; futi u nga ngeni endhlini yomfo wenu ngesikati sokuhlupeka kwako; muhle owakelene nawe o seduze ku nomfo o kude.

11 Ndodana yami, qondake, u yi tokozise inhliziyi yami, ukuze ngi m pendule o ngi jezisayo.

12 Umuntu oqondileyo u ya yi bona ingozi, a zifihle; aba iziula ba dhlula ba hlauliswe.

13 Tabata ingubo yake o mele umfo, na ngenxa yesifebe, mu bope ngesihlalo.

14 O bonga umhlobo wake ngezwi elikulu ekuseni, ku ya kutiwa isituko kuye.

15 Ukutonsa njalo ngosuku lwemvula, nomfazi wezinkani ku ya fana kokubili.

16 O m vimbelayo u ya vimbela umoya, ku ti e sobunene si fika emafuteni.

17 Insimbi i ya cidjisa insimbi, njalo umuntu a nga cidjisa ubuso bomhlobo wake.

18 O gcinayo umkiwane wo zidhla izitelo zawo; naye o linda inkosi yake wo dunyiswa.

19 Njenga loku emanzini ubuso bu busweneni, njalo, inhliziyi yomuntu kumuntu.

20 iSheoli nempelole a ku suti; ku njalo amehlo omuntu a ka suti.

21 Imbiza yokuncibilikisa e yesiliva, nesitandwe esegolide; u njalo umuntu emlonyeni wokubongwa kwake.

22 Uma u gaya isiula ngembokondwe etyeni lokusila pakati kwezinhlamvu

ezicoboziweyo, ubuula baso a bu yi ku muka kuso.

23 Qapelisisa ukuma kwemihlambi yako, u beke kahle imihlambi yako.

24 Ngokuba ingcebo a i yi ku hlala ku ze ku be pakade; nonicele a u yi ku hlala ngezizukulwane nezizukulwane.

25 Utyani bu ya muka, ku bonakale obutulhlaza, ku butwe nemifino yezi-ntaba.

26 Izimvwana zi ngukwambatiswa kwako, nezimpongo zi yintengo yezwe.

27 Ko ba kona ubisi lwezimbuzi olwenele ukudhla kwako, nokudhla kwendhlu yako, nokupila kwezintombi zako ezikuzayo.

## ISHALUKO 28.

**A**BABI ba ya baleka kungeko muntu o ba sukelayo; kepa abaqoto ba nesibindi njengebubesi.

2 Ngenxa yokona kwezwe maningi amakosi alo: kepa ngomuntu wokuqonda nokwazi, izwe li ya kuma njalo.

3 Umuntu ompofu o ba hlupayo ababunce u njengemvula ekukulayo ku ze ku nga biko ukudhla.

4 Abadelayo umteto ba ya bonga ababi; kodwa aba wu gcinayo ba ba vukele.

5 Abantu ababi a ba qondi ukwahlula; kodwa abamfunayo uJehova ba ya qonda konke.

6 Umpofu o hamba ngobuqoto bake, muhle kuye o pambene ngezindhlela zake, noko e cebile.

7 O wu tandayo umteto u indodana eqondayo; kodwa o hambana nabantu abacitayo, u ya m telela uyise ihlazo.

8 O yandisayo ingcebo yake ngeselekelo nangesanezelo, wo yi busela ukuphiwa abampofu.

9 O yi pendulayo indhlebe yake ukuba i ngezwa umteto, ukukuleka kwake ko ba isinengeko.

10 Odusayo abalungileyo endhleleni embi, wo wa yena egebene lake; kepa abalungileyo ba ya kuzuza okuhle.

11 O cebileyo u hlakanipile emehlweni ake; kodwa ompofu o nokuqonda u ya ku m hlola.

12 Nxa abalungileyo be jabula, ukucoka ku kulu; kanti ekuvukeni kwababi, umuntu u ya bacu.

13 O fihla isono sake, a ka yi ku tola inhlanhla; kodwa o zi bikayo a zi shiye, wo tola umusa.

14 U busisiwe o wesaba ngezikati

zonke; kepake o yenza inhlizyo yake i be lukuni, u ya kuwa ebubini.

15 Umbusi omubi pezu kwabantu abampofu, u yingonyama e bodhlayo, nebere elihahayo.

16 Inkosi e nge nakuqonda i vama ekukatazeni; kanti ozonda ukufisa, u ya kwandisa imihla yake.

17 Umuntu o sindezela igazi lompefumlo, ma ka baleke, a ye emgodini; a nga tintwa muntu.

18 O hambayo ngokulungisa wo sinda; kepa o pambene ngezindhlela zake, wo wela kwenye yazo.

19 O limayo umhlabati wake, wo suta isinkwa; kepa o landela abangaqondile, wo suta ubumpofu.

20 Umuntu weqiniso wo busiswa kakulu; kepa o tyetya ukucela u ya konakala.

21 Ukunaka ubuso a ku lungile; ngokuba ngenxa yesinkwana, umuntu u ya ku pambeka.

22 Umuntu o neso elibi u tyetyela ingebo; e nga qondi ukuti ubumpofu bo m fikela.

23 Olulekayo emuva wo tola umusa ku naye otobozayo ngolimi lwake.

24 Yena o panga uyise nonina e ti, A ku cala, u ngumigane wocitayo.

25 O zidhlayo ngompefumlo wo vusa inkani; kepa o temba kuJehova, wo sutiswa.

26 O yi tembayo eyake inhlizyo u yi-siula; kodwa o hamba ngokuhlakanipa wo kululwa.

27 O nika ompofu a ka yi ku swela, kepa o cimeza amehlo ake, izituko eziningi zo m fikela.

28 Nxa ababi be vuka, abantu ba ya zibacisa; kepa nxa be buba, abaqoto ba yanda.

### ISAHLUKO 29.

**U**MUNTU o lulekwa kaningi e yenzi-ntamo yake i be lukuni; wo fohlozwa masinyane, ku nga biko ukusinda.

2 Ekwandeni kwabalungileyo abantu ba ya jabula; kodwa ku busa ababi, abantu ba ya kala.

3 Umuntu o tanda ukuhlakanipa wo jabulisa uyise; kepa o kolana nezifebe wo cita ingebo.

4 Inkosi ngokwahlula i ya qinisa izwe; kepa o yamukela iminikelo u ya li cita.

5 O teleza amazwi ngakutye o wake-lene naye, u yenekela isihibe ngasezi-nyaweni zake.

6 Ekupambekeni komuntu omubi, si kona isihibe; kepa olungileyo wo hlabelela etabe.

7 Olungileyo u yazi indaba yezimpofana; kodwa omubi a ka yi ku qonda ukwazi.

8 Abantu bokuhlekisa ba ya vutela ulaka emuzini; kodwa abahlakanipileyo ba ya buyisa ulaka.

9 Umuntu ohlakanipileyo e ya ecaleni kanye nomuntu o isiula; wo tukutela a hleke, kodwa akuko ukupeza.

10 Abantu begazi ba ya kuzonda olungileyo; kepa abaqoto bo wu funisisa umpefumlo wake.

11 Isiula si ya kupumisa lonke ulaka lwaso; kodwa emuva oqondileyo wo lina uku lu tambisa.

12 Umbusi u ya yi lalela indaba yamanga na? Zonke izineeku zake zimbi.

13 Ompofu nomuntu wempango ba ya hlanguka; uJehova u ya kanyisa amehlo abobabili.

14 Inkosi e bahlula abampofu ngokulungisa, isihlalo sobukosi bayo, so qiniswa ku ze ku be pakade.

15 Uswazi nokululeka ko nika ingqondo; kanti umntwana e yekwa nje wo tela unina ihlazo.

16 Nxa banda ababi, ukona ku yanda; kodwa abalungileyo bo bona ekuweni kwabo.

17 Luleka indodana yako, yo ku pumuza, yebo yo tokozisa umpefumlo wako.

18 Nxa si ngeko isibonakaliso, abantu ba yonakala; kepa yena o londa umteto, u busisiwe.

19 Inceku a i yi ku lulekwa ngamazwi; noko e zwa, a ka yi ku pendula.

20 U ya bona umuntu o tyetya ekukulumeni kwake, ku kona itemba esiluleni, ku naye.

21 O yondhla kahle inceku yake, kwa sebuntwaneni, yo ba indodana yake ekupeleni.

22 Umuntu o nolaka wo vusa inkani, no vuta ngentukutelo wo vama uku-pambeka.

23 Ukuzidhla komuntu ko m ehlelisa pansu; kodwa umoya otobekileyo wo zuza udumo.

24 O hlanguyela isela u ya wu zonda umpefumlo wake; u yezwa isituko kepa a ka si naki.

25 Ukwesaba abantu ko beka isihibe; kodwa o temba kuJehova wo gcinwa.

26 Baningi aba funa ubuso bombusi; kepa ukulunga komuntu ku vela ku-Jehova;

27 Umuntu onakalayo u isinengiso kwabalungileyo; kanti o qonda nge-ndhlela u isinengiso kwababi.

ISAHLUKO 30.

**A**MAZWI ka Aguri indodana yake o wa lalelwa eMasa; Ya tyo njalo indoda, Ngi kutalele uTixo, ngi kutalele uTixo, se ngi pezile.

2 Ngempela ngi nobunla pezu kwabantu bonke, a ngi nakuqonda komuntu.

3 Be ngi nga fundi ukuhlakanipa be ngi nga kwazi ukwazi ngOyingewele.

4 Ubani o wenyukela ezulwini, no wehlela na? Ubani o butele umoya ezandhlani zake na? Ubani o bopile amanzi engutyeni na? Ubani o misile yonke imikaulo yomhlaba na? Igama lake li ngubani; negama lendodana yake li ngubani, uma u ya lazi na?

5 Onke amazwi ka Tixo a hlanzekile, u isihlangu sabo aba m etembayo.

6 U ngenezeli amazwi ake, funa a ku jezise, u funyanwe u ngowamanga.

7 Izinto ezimbili ngi zi celile kuwe, u nga zi godhli kimi ngi nga ka fi.

8 Susa kude nami amanga namacebo; U nga ngi niki ubumpofu nengebe; ngi funze ukudhla okungabeleweyo.

9 Funa ngi sute, ngi kwale, ngi ti, uJehova u ngubani na? funa ngi be mpofu, ngebe, ngi lone igama lika Tixo wami.

10 U ngenze ukuba inceku i nceteze inkosi yayo; funa i ku tuke, u funyanwe u necala.

11 Ku kona isizukulwane esi tuka uyise, esi nga busisi nonina.

12 Ku kona isizukulwana esimhlope emehlweni aso, esi nga hlanzwanga ensileni yaso.

13 Ku kona isizukulwana, yeka ukuzidhla kwamehlo aso, nezinkope zaso zi pakeme!

14 Ku kona isizukulwana, amazinyo aso a izinkemba, namazinyo omhlati a imimese yokubadhla abahlupekayo bomhlaba nabampofu ebantwini.

15 Isimungunyigazi si nezintombi ezimbili ezityo ukuti, Si pe; si pe. Ku kona izinto ezintatu ezi nge nakusuta, ezine ezi nga tyo, ukuti, kwanele.

16 iSheoli; nezala elivaliweyo; umhla-

bati onga kolwa amanzi; nomlilo o nge tyo, ukuti kwanele.

17 Iso eli hleka uyise, neli dela ukulalela unina, izingwababana ezi sezigodini zo li kipa; namaziyanane amanqe o li dbha.

18 Ku kona izinto ezintatu ezi ngahlulayo, yebo ezine e ngi nga zaziyo.

19 Indhlela yenqe emoyeni; indhlela yenyoka edwaleni; indhlela yomkumbi pakati kolwandhle; nendhlela yendoda entombini.

20 I njalo indhlela yesipingikazi; si dhla, si sula umlomo waso, si ti, A ngenzanga okubi.

21 Ngapansi kwezinto eziutatu izwe li ya zamazama, na ngenxa yezine li nge zipakamise.

22 Ngapansi kwenceku uma i busa; nesiula uma si suta ukudhla.

23 Ngapansi kwesifazana esi zondekayo nxa senda; nencekukazi nxa i umudhli wefa wenkosikazi yayo.

24 Ku kona izinto ezine ezincinyane emhlabeni, kanti zi hlakanipile kakulu:

25 Izintutane zi isizwe esi nge namandhla, noko zi ya zilungisela ukudhla kwazo ehlobo;

26 Izimbila zi isizwe esi butakataka, kanti zi yaka izindhlu zazo ematyeni;

27 Izinkumbi a zi nankosi, kanti zi ya puma zonke zi za hlukanise ngamaviyo;

28 Isibankwa si ya bamba ngeandhla zombili, si sezigodhlweni zenkosi.

29 Ku kona izinto ezintatu ezi nyatela kahle, yebo, ezine ezi lungisa ukuhamba;

30 Ibubesi eli namandhla ezilwaneni, a li yi ku buyela emuva ebusweni bazo zonke;

31 Inja empunga; nempongo, nenkosi oku ngeko uku melana nayo.

32 Nxa wenzile ngobuula ekuzipakamiseni; noma u qondile okubi ngesandhla emlonyeni.

33 Ngokuba ukucindezelwa kwamasi ku veza amafuta alukuni, nokucindezelwa kwempumulo ku veza izingazi; njalo ukucindezelwa kolaka ku veza inkani.

ISAHLUKO 31.

**A**MAZWI ka Lemueli inkosi ya seMasa, o be ku fundiswe unina.

2 Yini ndodana yami! yini ndodana yezala lami? yebo yintoni ndodana yezi-fungo zami na?

3 U nga niki amandhla ako esifazaneni, u nga niki izindhlela zako kokububisa amakosi.

4 A siko okwamakosi, Lemueli! a siko okwamakosi ukupuza iwaini, a siko okwezikulu ukupuza oku namandhla.

5 Funa a puze, a wu kohlwe umteto; onakalise indaba yabo bonke abahlupekayo.

6 Nika ukupuza oku namandhla ko za ku fa; newaini kwaba nosizi lwenhli-ziyo.

7 Ma ka puze, a kohlwe ubumpofu bake; a nga kumbuli nakanye inhlupeko yake.

8 Kulumela abayizitulu, nendaba yezi-ntandane zonke.

9 Uvula umlomo wako ukwahlulela kahle, yebo tetelela aba nosizi nabampofu.

10 Ngubani o nga m funyana umfazi otembekayo na? Ngoba inani lake li ya hlula kakulu amaperele.

11 Inhliziyo yendoda yake i ya temba kuye, nenzuzo a i yi ku sweleka.

12 Wo m enzela okuhle, ku nga bi okubi, imihla yonke yokupila kwake.

13 U ya funa uboya neflaksi, u ya se-benza ngezandhla ezivumayo.

14 U njengemikumbi yomtengi; u ya ku tabata na kude ukudhla kwake.

15 U ya vuka ku sebusuku, a ba pe abendhlu yake ukudhla, nezincekukazi zake okwabelwa zona.

16 U ya qonda insimu, a yi zuze; nge-sitelo sezandhla zake, kuko ukutyalwa kwensimu yesinwazi.

17 U ya binqa ukalo lwake ngama-ndhla, u ya qinisa izingalo zake.

18 U ya bona ukuba intengo yake i

lungile; isibani sake a si cimi na sebu-suku.

19 U ya beka izandhla zake kulo iso-ndo, nezimpama zake zi ya bamba ispi-ndeli.

20 U ya ba vulela abahlupekayo izan-dhla zake; u yaabela abampofu.

21 A kesabi ngabendhlu yake nge-nxa yongqoqwane; ngoba abendhlu yake bonke bembeswa ngendwangu ebomvu.

22 U ya zenzela izingubo zokwendhla-la; ilineni elihle nezindwangana ezibo-nvu zi ngukuvata kwake.

23 Indoda yake i yaziwa emasangwe-ni, nxa i hlezi namalunga ezwe.

24 U ya sebenza elinenini elihle, a te-ngise ngalo; futi u ya nikela kubatengi izibamba.

25 Amandhla nodumo a ngukuvata kwake; u ya si hleka isikati esizayo.

26 Umlomo wake u ya wu vula ngoku-hlakanipa; nomteto wobubele u solwi-mini lwake.

27 U ya yi bonela imihambo yabendhlu yake, a ka si dhli isinkwa sobuvila.

28 Abantwana bake ba suka, ba m biza ngobusisiweyo; indoda yake nayo i m babaze.

29 Amadodakazi amaningi enzile ngo-kutembeka, kepa wena wa wahlula onke.

30 Ubuhle bu yinkohliso, nokubukeka ku ize; kodwa isifazana esi in sabayo uTixo, so batyazwa.

31 Mu dumiseni ngokwemisebenzi ye-zandhla zake; nabantu bo m dumisa emasangweni ngenxa yokwenza kwake.

## INCWADI KA SOLOMONA E TIWA

# UMSHUMAYELI.

### ISAHLUKO 1.

**A**MAZWI omshumayeli, indodana ka Davida, inkosi eJerusalema.

2 Ize leze, u tyo, umshumayeli; ize leze konke ku ize.

3 Ku inzuzoni kununtu emsebenzini wonke wake a u sebenzayo pansi kwe-linga na?

4 Isizukulwane si ya dhlula ku vele esinye isizukulwane, kodwa umhlaba u mi pakade.

5 Ilanga li ya puma, ilanga li tyone, li tyetye li ye endaweni lapa li vela kona.

6 Umoya u ya ngaseningizimu, u buye u ye ngasenyakato, umoya u ya zungeza njalo u buye u penduke futi njengokuzungeza kwawo.

7 Imifula yonke i ya ugena elwandhle noko ulwandhle a lu gwali endaweni lapa imifula i vela kona i buyela kona futi.

8 Konke ku ya kataza, umuntu a nge ku kulume; iso a lesuti ngokubona nendhlebe a i gwali ngokuzwa.

9 Okwa ke kwa ba kona ko ba kona futi nokwa ke kwenziwa ku ya kwe-



nziwa futi. Akuko okutya pansi kwelanga.

10 I kona into oku nga tyiwo ngayo bleka intya! Kwa ku kona na sendulo, ngesikati e sa si nga pambili kwetu.

11 Akuko ukukunjulwa kwezinto e za zi pambili, akuko ukukunjulwa kwezinto ezizayo ku bona, a ba ya ku vela:

12 Mina, mshumayeli nga ngi inkosi pezu kwabala eJerusalema.

13 Nga nika inhliziyi yami ukufuna nokuhlola ngokuhlakanipa, konke okwenziwa pansi kwezulu, lomsebenzi o no-sizi uTixo u wu nikile kumadodana abantu ukuba ba hlupeke ngawo.

14 Ngi bonile imisebenzi yonke e yenziwa pansi kwelanga; bhekake konke ku ize, inkatazo yenhliziyi.

15 Loku, oku isigwegwe ku ngenziwe ku qonde ku ti ntse; nokungeko ku nge balwe.

16 Nga kuluma nenhliziyi yami nga ti, bheka, ngi kulile, ngi hlakanipile ku nabo bonke aba be ngapambili kwami eJerusalema: yebo, inhliziyi yami ya ba nokwazi kokuhlakanipa nokuqonda.

17 Nga nikela inhliziyi yami ekwazini ukuhlakanipa, na sekwazini ukungahlakanipi nobuula: Ngezwa ukuba na loku ku inkatazo yenhliziyi.

18 Ngokuba ku kona usizi oluningi ekuhlakanipeni okuningi: naye okwandisisayo ukuhlakanipa wandisa ukudabuka.

## ISAHLUKO 2.

**N**GI ti enhliziyweni yami wozake, ngo ku linga ngokwenama, ngako yizwa intokozo; bheka naloku ku ize.

2 Nga ti, ngokuhleka, ku ukuhlanya: nokwenama ku sizani na?

3 Nga funa enhliziyweni yami ukuzikuzi ewainini nga kalima inhliziyi yami ngokuhlakanipa, nokubamba ubuula ngi ze ngi bone okuble kumadodana kaAdamu okufanele a kwenze pansi kwezulu ezinsukwini zonke zokupila kwawo.

4 Nga sebenza imisebenzi emikulu, nga zaka izindhlu nga tyala izivini, namasimu, nezindawo ezinhle.

5 Nga tyala kona imiti e nezitelo zezinhlobo zonke.

6 Nga zenzela iziziba zamanzi, ukunetisa ihlati eli vame imiti.

7 Nga zifunela izinceku nezincekukazi nga ba neza zalwa endhlini yami. Nga fuya kakulu izinkomo nezimvu kunabantu bonke aba be pambi kwami eJerusalema.

8 Nga zibutela futi isilva negolide imfuyo enqabileyo yamakosi ingebo yamazwe, nga zibizela abahlabeleli abesilisa nabesifazana nentokozo e ketiweyo yamadodana kaAdamu ya ba e yami, ukuti umfazi yebo nabafazi.

9 Njalo nga ba omkulu, nganda ku nabo bonke aba be ngapambili kwami eJerusalema. Ukuhlakanipa kwami kwema nami.

10 Loko amehlo ami a kutandayo a ngi ku yekanga a ngi yi kalimanga inhliziyi yami entokozweni. Inhliziyi yami ya jabula emsebenzini wonke wami: Loku kwa ku inzuzo yami kuyo yonke imisebenzi yami.

11 Kona nga bheka imisebenzi yonke enziwe izandhla zami na loku konke e ngi kwenzileyo: bheka konke kwa ku ize, inkatazo yenhliziyi. Ayiko inzuzo pansi kwelanga.

12 Nga buya nga cabanga ngokuhlakanipa nobuula na ngokuhlanya, ngokuba olandela inkosi a ngenzani na? Loku o be se kwenziwe nga pambili.

13 Njengokuba ukukanya ku ya dhlula ubumnyama, njalo nga ti ukuhlakanipa impela ku dhlula ubuula.

14 Amehlo omuntu ohlakanipileyo a kona ekanda lake kodwa isiula si hamba ebumnyameni; Ngezwa ukuba into inye e yehlela bonke.

15 Kona nga ti enhliziyweni yami, okwehlela isiula kwehlela nami, ngi hlakanipile ngantoni po na? Nga ti enhliziyweni loku ku ize futi.

16 Akuko ukukunjulwa kohlakanipileyo ku nesiula nakanye ngokuba oku kona manje, ezinsukwini ezi zayo, se ku ya ku kohleka konke. Ohlakanipile u fa kanjani na? njengoisiula.

17 Konake nga zonda ukupila umsebenzi o setyenzwa nga pansi kwelanga u lusizi kimi: loko konke ku ize: inkatazo yenhliziyi.

18 Yebo nga zonda umsebenzi wonke wami e nga u sebenzayo pansi kwelanga ngokuba ngi ya ku wu shiya kumuntu o ya kuba kona emva kwami.

19 Ubani o waziyo ukuba u ya kuba ohlakanipileyo noma o isiula noko u ya kubusa pezu kwako konke ukwenza kwami e ngi kwenzileyo na loku e ngi bonisile ukuhlakanipa kwami kuko pansu kwelanga naloko ku ize.

20 Njalo nga kwalusa kwa za kwa hlupa inhliziyi yami ngonisebenzi wonke e ngu sebenzileyo pansu kwelanga.

21 Ku njalo u kona umuntu omsebenzi wake u ukuhlakanipa nokwazi nobuqoto noko u ya ku u shiya kumuntu o nga u sebenzanga u be isabelo sake. Loku ku ize futi.

22 Ku salani kumuntu emsebenzini wonke wake a u sebenzile pansi kwelanga na senkatazweni yenhliziyi yake na?

23 Loku izinsuku zonke zake zi nobuhlungu, nomsebenzi wake u lusizi. Yebo, inhliziyi yake a i pumuli ebusuku. Naloku ku ize.

24 Akuko ukulunga kumuntu ukuba a dhle a puze nokuba umpfumlo wake u be nokwenama emsebenzini wake. Naloku futi nga ku bona ukuba ku vela esandhlani sika Tixo.

25 Ubani o nga dhla, a tyetye kuko kunani na?

26 Kuye uTixo u fumene umusa ebusweni bake u ya nika ukuhlakanipa, nokwazi, nokujabula kodwa kuso isoni u ya nika ukhlupeka okukulu, ukuba a butele, a sebenzele umuntu a m tandayo uTixo. Loku ku ize inkatazo yenhliziyi.

### ISAHLUKO 3.

**K**UKO konke ku kona isikati, nomzuzu, emisebenzini yonke pansi kwezulu.

2 Si kona isikati sokuzalwa, nesikati sokufa; isikati sokutyala, nesikati sokuphila loko okutyaliweyo:

3 Isikati sokubulala, nesikati sokuphila, isikati sokucita, nesikati sokwaka;

4 Isikati sokukala, nesikati sokuhleka; isikati sokulila, nesikati sokusina:

5 Isikati sokuhlakaza amatye, nesikati sokuwabuta amatye; isikati sokugona; nesikati sokungagoni:

6 Isikati sokufuna, nesikati sokulahla; isikati sokugeina: nesikati sokudela,

7 Isikati sokuhxebula, nesikati sokutunga, isikati sokutula, nesikati sokukuluma;

8 Isikati sokutanda, nesikati sokuzonda, isikati sokulwa, nesikati sokutula.

9 U zuzani osebenzayo kuko a zama ngako?

10 Ngi bonile umsebenzi uTixo a u nike abantwana babantu ukuba ba sebenze kuwo.

11 U kwenzile konke ku be kuhle esikadini sako u misile okupakade ezinhliziyeni zabo kanjalo amuko umuntu o nga qondisisa umsebenzi o wenziwa uTixo, kwa sekuqaleni ku ze ku be sekupeleni.

12 Ngi yazi akuko buhle kuko kupela ukwenama nokwenza okuhle eku-pileni.

13 Futi nokuba abantu bonke ba dhle, ba puze bezwe ubumnandi bomsebenzi wonke wabo: ku isipo sika Tixo.

14 Ngi yazi loku a kwenzayo uTixo ko ba ko ku ze ku be pakade. A ku nge nezelelwe luto kuko a ku nge suswe luto kuko uTixo u ya kwenza loku ukuba abantu besabe pambi kwake.

15 Loko o kwa ku kona, ku se kona na kaloku, naloko o ku za ba ko kade kwa ba kona: uTixo u funa o ku dhulileyo.

16 Futi nga bheka pansi kwelanga indawo yokwahlulela, kwa ku kona e yobubi ne yokulunga, kwa ku kona isono.

17 Nga ti enhliziyweni yami uTixo u ya ku ba hlulela abalungileyo nabangalungile, ngokuba si kona isikati esimisiweyo sokucabanga konke, nesomsebenzi wonke.

18 Nga ti enhliziyweni yami ngokuhlala kwamadodana ka Adamu, uTixo a nga bazisa ukuba ba zibone ukuba ba izilwane.

19 Ngokuba loko okwehlela amadodana abantu kwehlela nezilwane into inye i kwehlela kokobili njengokuba be bubazi ya bubazi nazo, yebo umpfumlo munye, kuko konke, ngako umuntu a ka si dhluli isilwane ngokuba konke ku ize.

20 Konke ku ya ndawonye, konke ku umhlabati ku ya kubuyela emhlabatini.

21 Ubani o waziyo umoya womuntu o wenyukela pezulu na? Nowesilwane o wehlela pansi emhlabatini na?

22 Ngaloko ngi ya bona akuko okuhle kunokuba umuntu ename emisebenzini yake, loku ku isabelo sake; ngokuba ubani o ya ku mazisa loku oku ya ku ba kona enwa kwake na?

### ISAHLUKO 4.

**N**GA buya ngu bhekisisa izinhlupho zonke ezenziweyo pansi kwelanga, nga bona izinyembezi zabo abahlutywayo, ba be nge naye umduduzi na sesandhlani saba ba hlupayo kwa ku kona amandhla; kodwa bona ba be nge namduduzi.

2 Konake nga ba bonga a se ba fa a ba kade ba fu ku nabo abapilileyo aba se kona.

3 Yebo u lungile ku nabo bobabili lo-

wo o nga ka bi ko o nga ka boni umsebenzi o nga lungile o wenziwa pansi kwelanga.

4 Nga buya nga qonda umsebenzi wonge, nenhlahlala yomsebenzi umuntu a m zonda ngayo umakelwane wake. Naloku ku ize, inkatazo yenhliziyi.

5 Isiula si songa izandhla zaso, si zidhle umizimba waso.

6 Si ti isandhla si sinye si gewele kanye nokuhlala kahle sihle ku nezandhla zombili zi gewele zi nomsebenzi nenkatazo yenhliziyi.

7 Kouake nga buya nga qonda nga bona o ku ize pansi kwelanga.

8 Ku kona munye amuko owesibili a ka namntwana a ka namfo wabo, noko a u peli umsebenzi wake, neso lake a lesuti ngengeceba a ka tyo nokuti ngi sebenzela ubani ngapuca umpefumlo wami intokozo na? naloko ku ize ku luhlupo olukulu.

9 Ababili bahle ku noyedwa ngokuba ba tola umvuzo olungileyo ngomsebenzi wabo.

10 Uma be wa, omunye u ya m pakamisa umgane wake, kodwa au kuyena o yedwa ekuweni kwake ngokuba omunye a ka naye owokumvusa.

11 Uma ababili be lele ndawonye ba nokufudumala kodwa o yedwa a nga fudumala kanjani na?

12 Nxa omunye e meyisa ababili ba ya kumelana naye nentambo emicu mitatu a i tyetyi ukugqatyuka.

13 Umntwana ompofu, nohlakanipileyo u lungile ku nenkosi endala, e isiula nga sa vumi ukululekwa.

14 Ngokuba omunye u puma endhlini yokubotywa, kanti omunye ozelwe ebukosini a be mpofu.

15 Nga bheka abapilileyo bonke be hamba ngokuzidhla pansi kwelanga. Kanye nesizukulwane sesibili esi ya ku ngena esikundhleni sabo.

16 Akuko ukupela kubantu nabapambili kwabo nabo aba ya ku vela ngasemva kwabo a ba yi ku tokoza kubo. Ngeqiniso loku ku ize ukuxotywa umoya nje.

#### ISAHLUKO 5.

**G**CINA unyawo lwako ekuhambeni kwako ukuya endhlini ka Tixo, sondela ukuba u zwe ku nokuba u nikele umnikelo weziula, a zi qondi ukuba zenza okubi.

2 U nga pangisa ngomlomo wako

nenhliziyi yako ma i nga tyetyi ukupimisela amazwi ebusweni buka Tixo, ngokuba uTixo u sezulwini, u semhlabeni wena, ngaloko amazwi ako ma be incozana.

3 Njengokuba ipupo li vela ngobuningi bomsebenzi kodwa izwi lesiula li vela ngokuvama kwamazwi.

4 Uma u funga isifungo kuTixo u ngepuzi ukusifeza, a ka tokozi ngeziula; feza kambe njengaso isifungo sako.

5 Ku lungele, u nga fungi ku nokuba u funge, u nga fezi.

6 U nga vumeli umlomo wako ukuba u yenze inyama yako yone, u nga tyo pambi kwesitunywa ukuba ku ukupambuka, u mienzalani uTixo a tukutele ngezwi lako a bulale umsebenzi wezandhla zako na?

7 Noma ku vame amapupo, namazwi amaningi, noku ize, kodwa ma u mesabe uTixo.

8 Uma u bona ukuhlutywa kwabampofu nokupambukiswa kokulunga nokokwahlulela ezweni, u nga mangali ngako; ngokuba o pezu kwabo bonke u ku lindile ku kona aba pezu kwabo.

9 Loku inzuzo yomhlabati, e yabo bonke; nenkosi i ya zuza ngezwe.

10 Otandayo isiliva a ka yi ku koleka isiliva notandayo ingcebo nenzalo: Naloku ku ize.

11 Uma ingcebo yanda ba yanda nabayidhlayo. Inzuzoni kubanininyo kupela uku yi bona ngamehlo abo nje.

12 Ubutongo kosebenzayo bumnandi noma e dhle oku incozana noma oku ningi: kodwa ubuningi bocebileyo a bu in vumeli a lale ubutongo.

13 Ku kona ububi obukulu e ngi bu bonileyo pansi kwelanga, ukuti ukuceba ku geinelwe abaniniko ku be ukonakala kubo.

14 Kodwa ingcebo leyo i ya citeka, ngomsebenzi omubi u zala indodana i nga bi naluto esandhleni sayo.

15 Njengokupuma kwake esiswini sika nina wo muka eze njengokupuma kwake: a ka yi kutabata luto emsebenzini wake, na nga ku pata esandhleni sake.

16 Loku ku ububi obukulu ezintweni zonke, wo muka njengokufika kwake. U nanzuzoni o sebenzela umoya?

17 Zonke izinsuku zake u ya dhla ebunmyameni u nokudabuka okukulu, nozizi kanye nokugula kwake.

18 Bhakeke, loku e ngi ku bonileyo

ku lungile ku hle ukudhla, ukupuza nokwenama okuhle kuwo wonke umsebenzi wake a u sebenzayo pansi kwelanga, izinsuku zonke uTixo a m nikileyo zona loku ku isabelo sake.

19 Abantu bonke uTixo u nikile kubo ingcebo nemfuyo, u nikile futi nama ndhla ukudhla kuko, nokutoba isabelo sake nokujabula emsebenzini wake. Loku ku isipo sika Tixo.

20 Ngokuba a ka yi kukumbula kahle izinsuku zokupila kwake ngokuba uTixo u ya m pendula ngokujabula kwenzliziyo yake.

#### ISAHLUKO 6.

**K**U kona ububi e ngi bu bonileyo pansi kwelanga; bu nzima kubantu.

2 Ukuba umuntu uTixo e m nikile ingcebo nemfuyo nodumo a ze a nga sweli luto kuko konke umpefumlo wake oku tandayo, kodwa uTixo, a ka m niki amandhla oku kudhla kanti ku dhliwa owezizulu. Loku ku ize, isifo esikulu, esibisi.

3 Noma umuntu e zala amadodana a ikulu noma e pila iminyaka eminingi ewe ukupila kwake kwenezelwa ku be izinsuku e zi nge nakubalwa, umpefumlo wake u nga koleki okuhle, u nga bi natuna: ngi ti ozelwe ku nga ka bi isikati muhle impela ku naye.

4 Nokuba u ya vela e ize, a muke ebunyaneni negama lake li ya ku sityekelwa ubumnyama.

5 Nokuba a zange a li bone ilanga nokuba e nga zange azi luto u nokupumula kahle, kunalowo.

6 Yebo, nokuba e pila iminyaka e inkulungwane ku pindwe kabili e nga zange a bone okuhle. A ba yi endaweni inye bonke na?

7 Konke umuntu a ku sebenzayo ku okomlomo wake noko isisu sake a si suti.

8 Hlakanipileyo u nantoni ku nesihla na? nompofu okwaziyo ukuhamba pambi kwabapilileyo na?

9 Kuhle ukubona kwamehlo ku nokuzala kompefumlo: Loku ku ize inkazazo yenhliziyo.

10 Loku into e se iko se kade ya qanjwa negama layo li yaziwa ukuba ku umuntu, nokuba a nge pike nonamandhla ku naye.

11 Loku amazwi maningi anda ngeze, ununtu u nanzuzoni na?

12 Ubani owaziyo loku oku fanele umuntu ku loku kupila na? izinsuku

zonke zokupila kwake oku ize, a zi qedayo njengetunzi? Ubani o nga tyela umuntu loku oku ya kuba kona emva kwake pansi kwelanga na?

#### ISAHLUKO 7.

**I**GAMA elihle li lungile ku namafuta amnandi; nosuku lokufa ku nosuku lokuzalwa lwake.

2 Kuhle, ukuya endhlini yokulila ku nokuya endhlini yokudhla: Loku ku ukupela kwabantu bonke, nopilileyo u ya kukubeka enhliziyweni yake.

3 Ukudabuka kuhle ku nokuhleka ngokuba ngokudabuka kobuso inhliziyo i ya lungiswa.

4 Inhliziyo yolungileyo i sendhlini yokulila kodwa inhliziyo yeziula i sendhlini yokwenama.

5 Ku lungile kumuntu ukuzwa ukululeka kohlakanipileyo ku nokuba e zwe ukuhlabelela kweziula.

6 Njengokucacamba kwameva e pansi kwekanzi ku njalo nokuhlaleka kweziula. Naloku ku'ize.

7 Impela ukusindezelwa ku ya m hlanzyisa o hlakanipileyo nesipo si yonakalisa inhliziyo.

8 Ukupela kwento kuhle ku nokuqala kwayo nobekezelayo enhliziyweni ku noziqenqenayo enhliziyweni.

9 U nga tyetyi ukutukutela enhliziyweni yako ngokuba ulaka lu hlala esifubeni seziula.

10 U nga tyo, ku ngani ukuba imihla yokuqala ya i imihle ku na le na? ngokuba a u buzi ngokuhlakanipa kuloko.

11 Ukuhlakanipa ku lungile ku kanye nefa; ba nenzuzo aba bona ilanga ngako.

12 Umtunzi wokuhlakanipa u njengomtunzi wemali: kodwa ukuhlakanipa okudhlulileyo, ngokuba ukuhlakanipa ku nika ukupila kwa ba nako.

13 Qonda umsebenzi ka Tixo, ngokuba ubani o ngelula loku a ku gobisileyo na?

14 Ngosuku lwenhlanhla jabula kodwa ngosuku lokuhlupeka u qonde uTixo u pam anisile omunye nomunye ukuba umuntu a nga fumani into ngasemva kwake.

15 Ngi bonile okuningi ezinsukwini zani zeze: u koma olungileyo obubelayo ekulungeni kwake, u kona nongalungile okwenezela ukupila kwake ebubini baka.

16 U nga zenzi olungileyo kakulu, futi u nga zenzi o hlakanipileyo kakulu ini ukuba a zibubise na?

17 U nga zenzi omubi kakulu, futi u nga zenzi isiula, ini ukuba u fe ku nga ka bi isikati sako na?

18 Kuhle ukuba u ku bambisise loku! yebo, u nga si buyisi isandhla sako kuko: ngokuba yena o mesabayo uTixo u ya kupepa kuko konke.

19 Ukuhlakanipa ku ya m qinisa ohlakanipileyo ku nawo amaqawe a ishumi a semuzini.

20 Impela amuko emhlabeni olungileyo owenza ukulunga o ngoniyoy.

21 U nga laleli amazwi onke a kulunywayo funa u zwe ineku yako i ku tuka.

22 Ngokuba neyako inhliziyoy i yazi ukuba nawe u ba tukile abanye abaningi.

23 Kouke loku ngi ku hlolile ngokuhlakanipa: Nga ti ngi ya ku hlananipa kodwa kwa ba kude nami.

24 Loku oku kude, nokujulileyo kakulu ubani o nga ku fumanayo na?

25 Nga buya nga fudumeza inhliziyoy yami ukufunda, nokuhlola, nokufumisisa ukuhlakanipa, nengqondo, ukwazi isono nobuula nobupukupuku nokuhlanya.

26 Nga za nga fumana okubabayo ku nokufa umfazi onhliziyoy yake i zi tiya i nemigibe: nezandhla zake zi iziboyo: O tokozisa uTixo wo sinda kuye kanti isoni si ya ku banjwa uye.

27 Bheka loko ngi ku fumene u tyo umshumayeli ngi linganisa into inye nga inye ukuze ngi fumane iqiniso.

28 Loko umpefumlo wami u sa ku funa kodwa a ngi fumani: indoda inye pakati kwenkulungwane e ngi i fumeneyo kodwa umfazi a ngi m fumananga pakati kwabo bonke.

29 Bhekake, loko ngi ku fumene kupela, ukuti uTixo wa menza umuntu a lunge kodwa bona ba funile amacebo amaningi.

### ISAHLUKO 8.

**UBANI** o njengohlakanipileyo na? nowazi ukuhlazulula izwi? Ukuhlakanipa komuntu ku ya kanyisa ubuso bake, nobulukuni bobuso bake bu ya ku guqulwa.

2 Mina mlomo wenkosi ngi ya ku yala kahle njengesifungo sika Tixo.

3 U nga tyetyi ukupuma ebusweni bayo u nga qinisi indaba embi ngokuba u ya kwenza loko a ku tandayo.

4 Lapa li kona izwi lenkosi, a kona amandhla: ubani o nga tyo kuye intoni o yenzayo na?

5 O gcinayo isiyalezelo a ka yi ku zwa

into embi kanti ohlakanipileyo enhliziyweni u ya qonda isikati, nokwahlulela.

6 Ngokuba kuwo wonke umsebenzi si kona isikati nokunqunywa kwawo, ngoko ububi bomuntu bukulu pezu kwake.

7 Ngokuba e nga kwazi loko oku ya ku ba kona: ubani o nga m tyela ukuba ko ba kona nini?

8 Amuko umuntu o namandhla pezu komoya uku wu bamba: a ka namandhla osukwini lokufa: akuko ukusinda ku loku kulwa nobubi a bu nako uku ba kulula aboni.

9 Loku konke ngi ku bonile lapo nga yi bekisisa inhliziyoy yami emsebenzini wonke o wenziweyo pansi kwelanga, ukuti si kona isikati lapo umuntu u ya busa omunye umuntu ku be ukuzilimaza kuye.

10 Njalo ngi bonile ababi be mbelwa aba be vela, be muka endaweni e yiugewele, bona ba kohlakala emuzini lapo ba benze njalo: Loku ku ize.

11 Loku ukwahlulela umsebenzi omubi ku iga nqunywa ngokuzama, ngako inhliziyoy yamadodana abantu i gewele imicabango yokubi.

12 Noma isoni sona, ku pindwe ku ze ku be ikulu nezinsuku zaso zenezelwa kanti noko ngi yazi impela ko ba kuhle kubona aba m sabayo uTixo, besaba pambi kwake.

13 Kodwa a ku yi ku ba kuhle kwababi a ba yi ku zenezela izinsuku zabo, ezi njengetunzi ngokuba a ba m sabi uTixo.

14 Ku kona oku ize okwenziweyo emhlabeni ukuti ku kona abalungileyo abehlelwa umsebenzi o njengo wababi: futi ku kona ababi abehlelwa umsebenzi o njengo wabalungileyo: Ngi ti loku ku ize.

15 Konake nga babaza ukwenama ngokuba umuntu e nge nako okuhle pansi kwelanga ku nokudhla a puze a tokoze ngokuba loko ku ya kuhlala kuye emisebenzini yake imihla yokupila kwake, a ku piweyo uTixo ngapansi kwelanga.

16 Msukwana nga yi bekisisa inhliziyoy yami ukwazi ukuhlakanipa, nokuqonda umsebenzi o wenziweyo emhlabeni: (ngokuba ku kona o nga boniyo ubutongo ngamehlo ake imini nobusuku:)

17 Nga kangela umsebenzi wonke ka Tixo, umuntu a nge u fumane umsebenzi owenziweyo pansi kwelanga, loku nokuba umuntu e zama uku u funisisa a

ka yi ku u fumana, yebo futi noma ohlakanipileyo e ti ngi ya wazi noko a ka yi ku ba namandhla uku wazi.

ISAHLUKO 9.

**L**OKU konke nga ku qonda enhliziyweni yami ukuba ngi kwazi konke loku: ukuti abalungileyo nabahlakanipileyo nemisebenzi yabo ba sesandhleni sika Tixo: amuko umuntu o lwaziyo utando, nenzone kuko konke oku pambi kwake.

2 Konke kwehla ngokufanayo kubo bonke; isabelo sinye kubo bonke: kwaba qoto na kwababi kolungileyo nomhlope na ko ngeolileyo kuye o nikela umnikelo na kuye o nga nikeliyo olungileyo njengesoni nofungayo njengosabayo isifungo.

3 Loku ububi pakati kwenzinto zonke ezenziweyo pansu kwelanga, ukuba isabelo sinye kubo bonke yebo inhliziyoyamadodana abantu i gwele ububi: ukuhlanya ku kona enhliziyweni yabo be sa pila, ngasemva kwaloku ba ya ekufeni.

4 Ngokuba ku kona itemba kuye o hlangene nako konke okupilayo:inja e pilayo inhle ku nebubesi eli fileyo.

5 Abapilayo ba yazi ukuti ba ya kufa, kodwa abafileyo abazi luto a ba yi ku ba namvuzo, ngokuba ukukunjulwa kwabo se ku kohlekile.

6 Se kupele utando lwabo, nenzone yabo, nomona wabo, a ba se nako ukwabelwa nakanye ezintweni ezenziweyo pansu kwelanga.

7 Hambake u dhle isinkwa sako ngokujabula u puzo iwaini lako ngenhliziyoyenamileyo ngokuba kaloku uTixo u ya vuna imisebenzi sako.

8 Izivato zako ma zi be mhlope njalo nenhloko yako ma i nga sweli amafuta.

9 Hlala ngokwenama nomkako o m tandayo zonke izinsuku zokupila oku ize a ku nikele zona pansu kwelanga, izinsuku zonke zeze zako. Loku ku isabelo sako, ku loku kupila na semisebenzini wako owenzayo pansu kwelanga.

10 Konke isandhla sako e si ku fumanyo kwenze ngamandhla ako, ngokuba ku ngeko umisebenzi, necebo, nokwazi, nokuhlakanipa, etuneni lapo u ya kona.

11 Nga buya, nga bona, pansu kwelanga ukuba ijubane aliko kwabagijimayo, nokulwa kwaba namandhla, nesinkwa kwabahlakanipileyo nengecebo kwaba nokuqonda, nomusa kwaba nobuqili, kodwa bonke behlelwa isikati nenhlanhla.

12 Ngokuba umuntu e nga sazi isikati sake, njengezinhlanzi ezi badjwa eneteni elibi na njengezinyoni ezi bambeka esifwini; ku njalo amadodana a ka Adamu a ya badjwa uma li fika ihora elibi kubo ngokubazuma.

13 Lokukuhlakanipa futi ngi ku bonile pansu kwelanga kwaba kukulu kimina.

14 Kwa ku kona umuzana nabantu a ba incozana ba be kona pakati kwawo, kweza inkosi enkulu kuwo ya wu vimbezela ya zaka izindonga ezinkulu kuwo.

15 Kaloku kwa funyanwa kuwo umuntu ompofu ohlakanipileyo. Lomuntu ngokuhlakanipa kwake wa kulula umuzi noko a kwa ba ko mntu o wa m kumbulayo.

16 Konake nga ti ukuhlakanipa kuhle ku namandhla kodwa ukuhlakanipa kwa lompofo ku delelekile namazwi ake a ke zwakali.

17 Amazwi abahlakanipileyo e zwakala ekutweni ku nokumemeza kwake o busa pakati kweziula.

18 Impela ukuhlakanipa kuhle ku nezikalizokulwa kepa isoni sisinye, sonakalisa okuhle okuningi.

ISAHLUKO 10.

**I**ZIMPUKANE ezi fileyo zenza amafuta inyanga yemiti a nuke kabi, nobuula obu incozana bu menza njalo yena o nodumo ngokuhlakanipa nokulunga.

2 Inhliziyoyohlakanipileyo i nga kwesokunene e yesiula i nga kwe soko hlwa.

3 Futi nxa o isiula e hamba endheleni, ukuhlakanipa kwake ku ya pela, u tyo kubo bonke ukuti siula.

4 Uma ulaka lombusi lu ku wukela u nga shiyi indawo yako ngokuba ukulalala ku ya tulisa izono ezinkulu.

5 Ku kona okubi e ngi ku bonile ngapansu kwelanga, isiposiso esi velayo kumbusi.

6 Ubuula bu ya pakanyiswa bu nodumo olukulu kodwa abacebileyo ba pansu.

7 Ngi bonile izineeku zi kwele amahashi namakosi e hamba pansu emhlabeni njengezineeku.

8 Ombayo umgodi u ya ku wela kuwo nowapulayo utango u ya kulunywa inyoka.

9 Osusayo amatye u ya ku linyazwa lwo naye obandayo izinkuni u ya ku bu nengozi ngazo.

10 Uma insimbi i butuntu, u nga yi loli usiko, kona u ya kwandisa amandhla, kodwa ukuhlakanipa ku fanele ukuqondisa.

11 Impela i ya luma inyoka i nga buliwe, ipotyopotyo a li dhluli.

12 Amazwi omlomo wohlakanipileyo a nomusa kodwa izindebe zesiula zo gwinya.

13 Ukuqala kwamazwi omlomo wake ku buula, nokupela kokukuluma kwake ku ukuhlanya okubi.

14 Isiula sandisa amazwi, umuntu a nge tyele loku o ku ya kuba kona. Noko o ku ya ku ba kona emva kwake, ubani o nga si tyela na ?

15 Ukusebenza kwesiula ku ya ba dinisa bonke ngabanye: ngokuba a si yazi indhlele e qonda emuzini.

16 Au kuwena, Lizwe, uma inkosi yako i umntwana namakosana ako e dhla ekuseni.

17 U busisiwe wena, Lizwe, uma inkosi yako i umntwana wezikulu namakosana ako e dhla ngesikati esifaneleyo ku be ukuqiniswa kwawo, ku nga bi ukudakwa kwawo.

18 Indhlu ya bola ngobuvila obukulu nangokungena i nete.

19 Idili lenzelwa ukutokoza newaini li yenamisa kodwa imali i lingene konke.

20 U nga yi tuki inkosi, cabo, na senhliziyweni yako u nga hlebi abacebi-leyo nasendhlini yako yokulala; inyoni i ya ku hambisa izwi ne namapiko i ya ku tyela indaba.

#### ISAHLUKO 11.

**P**ONSA isinkwa sako emanzini ngokuba u ya ku si fumana emva kwezinsuku eziningi.

2 Yabela aba isikombisa naba isishiyalombili ngokuba a u kwazi okubi o ku ya kuba kona emhlabeni.

3 Uma amafu e gwele imvula a ya i tela emhlabeni uma umuti u wile nga seningizumu noma nga senyakato endaweni o wele kuyo u ya kuhlala kona.

4 O lindayo umoya a ka yi ku hlwanyela nobekisisayo amafu a ka yi ku vuna.

5 Njengokuba u nga yazi indhlele ka moya ukuba i njani, nokuba amatambo a kula kanjani esiswini somitiyo? a u yazi nemisebenzi ka Tixo o dabula konke.

6 Kusasa hlwanyela imbeu yako na

kusihlwa u nga buyisi isandhla sako ngokuba u ngazi ukuba i ipi e ya ku ba nenhlanhla noma i le, noma i leya noma zombili zi ya ku ba zinhle.

7 Impela ukukanya ku mnandi, noku-bona ilanga ku into enhle emhlabeni.

8 Kodwa uma umuntu e pila iminyaka emiingqi e jabula kuyo yonke, noko ka kumbuli izinsuku zobumnyama, ngokuba zi ya kuba ziningi. Konke okuzayo ku ize.

9 Jabula nsizwa ebutyeni bako; ma i ti inhliziyoyako i ku tokozise ezinsukwini zobutya bako, u hambe ezindhleleni zenhliziyoyako, na sebusweni bamehlo ako, wazike kodwa ukuba ngenxa yako konke loko uTixoyako u ya ku ya ekwahluleni.

10 Ngako susa ukudabuka enhliziyweni yako u lahle okubi emzimbeni wako ngokuba ubuntwana nobutya bu ize.

#### ISAHLUKO 12.

**K**UMBULA umenzi wako ezinsukwini zobutya bako, zi nga ka fiki izinsuku zokubi neminyaka i nga ka sondeli lapo u ya kuti a ngi nako ukutokoza kuyo;

2 Ku nga kenziwa mnyama ilanga, nokukanya, nenyanga, nezinkanyezi namafu e nga ka buyeli emva kwemvula.

3 Ngosuku lapo abalindi bendhlu be ya ku tutumela, nabanamandhla be ya ku zitoba, nabasili be ya ku yeka ngokuba be yi neosana, nabakangelayo ngezibuko be ya ku fipala.

4 Neminyango yo valwa ezitiratini nxa umsindo wokusila u su ncipile, u ya kwetwswa ukukala kwenyoni, namadodakazi okuhlabelela onke a ya ku totyiswa.

5 Esikatini lapo be ya kwesaba okupakamileyo, nezesabiso zi ya kuba senhlehleni, nomuti wealmondi u ya ku kahlela, neutete i ya kuba umtwalo, nentando i pele, ngokuba umuntu u ya ekaya lake eli pakade, nabalilayo ba ya ku zula ezitiratini.

6 I nga ka tukululwa intambo yesiliva, nendebe yegolide i nga ka pulwa, nembiza i nga ka fi emtonjeni, nesondo, endaweni yamanzi.

7 Kona umhlabati u ya kubuyela emhlabatini njengokuba wa u njalo nomoya wo buyela kuTixoyako u wa u nikayo.

8 Ize leze, u tyo umshumayeli; konke ku ize.

9 Futi ngokuba umshumayeli e be hlanipile wa ba fundisa abantu ukwazi yebo, wa bekisisa wa funa wa lungisa, amazwi okuhlakanipa amaningi.

10 Umshumayeli wa linga ukufumana amazwi a faneleyo, loku o kwa lotywa kwa ku lungile, amazwi eqiniso.

11 Amazwi abahlakanipileyo a njenjezinciji, nezipikili ezimiswa aba pati bemihlangano a ba vela kumalusi munye.

12 Futike, ndodana yami ma u lulekwe iloku. Akuko ukupela ngokuzenza izinewadi eziningi, nokufunda okuningi ku iukatazo yenyama.

13 A si zwe ukupela kwendaba yonke: Mesabe uTixo u zi gcine izimemezelo zake. Loku ku iko konke kumuntu.

14 Ngokuba uTixo wo zisa imisebenzi yonke ekwahluleni kanye nako konke oku fihliweyo nokuba kuhle nokuba kubi.

## ISIHLABELELO SIKA SOLOMONA.

### ISAHLUKO 1.

**I**SIHLABELELO sezihlabelelo esi nge sika Solomona.

2 A ke nange ngokwanga komlomo wake ngokuba utando lwako lu mnandi ku newaini.

3 Ngenxa yepunga lamafuta ako a mnandi igama lako li njengamafuta etululiwe, ngako izintombi zi ya kutanda.

4 Ngi donse, si ya kukulandela; inkosi i ngi letile ezindhlini zayo si ya kujabula si tokoze ngawe, si ya kulukumbula utando lwako ku newaini; abaqoto ba ya kutanda.

5 Ngi mnyama, kodwa ngi muhle, nina madodakazi a seJerusalema, njengamatente a seKedari, na njengezindwangu zika Solomona.

6 Ni nga ngi beki, ngokuba ngi gqu-nqile, ngokuba ilanga li ngi pumele: abantwana baka mane ba be ngi tukutelele; ba ngenza umlindi wezivini; kwa ti e sami isivini a nga si linda.

7 A u ngi tyele, wena o tandwa umpfumulo wami, ukuba waluselapi, u pumuzapi umhlambi wako emini: ngi za ku ba njengopambukela ngani nga semihlambini yabangane bako?

8 Uma u ngazi, wena omuhle pakati kwesifazana, hamba u pumele emikondweni yomhlambi, amazinyane ako a dhle ngasematenteni abalusi.

9 Ngi ku fanisile, sihlobokazi sami! neviyo lamahashi ezinqoleni zika Faro.

10 Izihlati zako zi fana nezinhla zamaqanda, nentamo yako nemigexo yegolide.

11 Si ya ku kwenzela inipeto yegolide namacoty a esiliva.

12 I te inkosi i sa hlezi esitebeni, amaka ami a pumasa ipunga lawo.

13 Isitandwa sami si umfunzi wemure kimi: u ya kulala pakati kwamabele ami bonke ubusuku.

14 Isitandwa sami kimi si njengesipa samaka ezivini za seEngedi.

15 Bheka, u muhle, sihlobokazi sami; bheka u muhle, u namehlo amavukutu.

16 Bheka, u muhle, sihlobokazi sami, ehe, u mnandi: isilili setu si luhlaza futi.

### ISAHLUKO 2.

**N**GI yirose la seSharoni, nentebe yezi-godi.

2 Njengentebe pakati kwameva, si njalo isihlobokazi sami pakati kwamadodakazi.

3 Njengomuti wamaapula pakati kwe- miti yehlati, si njalo isitandwa sami pakati kwamadodana. Nga hlala pansi komtunzi wake ngokwenama okukulu, sa ti isitelo sake samnandi ekunambiteni kwami.

4 Wa ngi leta endhlini yokudhlela, isibonakaliso sake pezu kwami sa si utando.

5 Ngi bambezele ngemvaba yevini, u ngi duduze ngamaapula: ngokuba ngi ya fa utando.

6 Isandhla sake sokohlo si ngapansi kwekanda lami, nesandhla sake sokunene si ya ugi gona.

7 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a seJerusalema, ngezindhluzele, na ngezimbabala za sendhle, ukuba ni nga babasi, ni nga m vusi otandiwewo wami, e nga ka tandi.

8 Izwi lesitandwa sami! bheka, si ye-



za si xuma pezu kwezintaba, si gilikida pezu kwamaganga.

9 Isitandwa sami si njengendhluzele noko itole lembabala: bheka, si mi nga seyi kodonga lwetu, si buka ngezibobo, si zibonakalisa ngesikala.

10 Isitandwa sami sa kuluma, sa ti kimi, vuka, sihlobokazi sami muhle wami, u ze.

11 Ngokuba, bheka, ubusika se bu dhlulile, imvula i si pelile yemuka;

12 Izimbali zi ya bonakala emhlabatini; isikati sokuhlabelela kwezinyoni si fikile, izwi lehobe li yezwakala ezweni lakiti;

13 Umkiwane u ya veza amakiwane awo a luhlaza, nezivini zi leta ipunga elimnandi lezinwazi ezi tambileyo. Vuka, mhlobokazi wami, muhle wami u ze.

14 Juba lami, eli semifanteni yamatye, ezindaweni ezisese zamawa ma ngi bone ubuso bako, ma ngi zwe izwi lako; ngokuba li mnandi izwi lako, nobuso bako buhle,

15 Si bambeleni izimpungutye, izimpungutye ezincane ezonakalisayo izivini: ngokuba izivini zetü zi nezinwazi ezi tambileyo.

16 Isitandwa sami si esami, mina ngi ngowaso: salusela pakati kwezintebe.

17 Ku ze ku se, amatunzi emuke, buya, sitandwa sami, u fane nendhluzele noko nesixumu sembabala pezu kwezintaba za seBeta.

### ISAHLUKO 3.

**E**BUSUKU esililini sami nga m funa otandwa umpefumulo wami; nga m funa, kepa a ngi m fumananga.

2 Ngi zo vukake, ngi hambahambe emzini ezindhleleni, na semigwaqweni ngi m fune otandwa umpefumulo wami; nga m funa kepa a ngi m fumananga.

3 Abalindi aba vakatya emzini ba ngi fumana: e nga ti kubo ni ke na m bona otandwa umpefumulo wami na?

4 Nga se ngi dhlule kubo kancane nje kwa ti nga m funana otandwa umpefumulo wami: nga m bamba, a ngi vumanga uku m dedela, nga ze nga m fikisa endhlini ka mame, endhlini yo wa ngi zalayo.

5 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a seJerusalema, nezindhluzele, na ngezimbabala za sendhile, ukuba ni nga si babasi, ni nga si vusi isihlobokazi sami, si nga ka tandi.

6 Ubani lo o za e puma ehlane ngengeziusika zomusi, e qolwe ngemure nangenhlaka, na ngemilibo yonke yotengisayo na?

7 Bheka isilili sake, esi nge sika Solomona; si haqwe amaqawe a ngamashumi a isitupa, amaqawe a kwa Israeli.

8 Bonke ba pete izinkemba, be ngabaqondileyo ngokulwa: bonke ba nezinkemba zabo ezinqulwini zabo ngenxa yokwesaba ebusuku.

9 Inkosi uSolomona wa zenzela inqola ngemiti ya seLebanoni.

10 Wenza izisuka zayo ngesiliva, umzansi wazo neggolide, za haqwa ngokubomvu, pakati kwayo kwa gandaywa ngotando lwamadodakazi a seJerusalema.

11 Pumani nina madodakazi a seZioni ui yo bona inkosi uSolomona e fake umqele a fakwa unina ngomhla wokugcagca kwake na ngomhla wenjabulo yenhliziyu yake.

### ISAHLUKO 4.

**B**HEKA, u muhle, sihlobokazi sami; bheka, u muhle; u namehlo amajuba nga pansu kwesihluthu sako: izinwele zako zi njengomhlambi wezimbuzi, o bonakala entabeni iGiladi.

2 Amazinyo ako a fana nomhlambi wezimvu ezi geziweyo, eza kupuka endaweni yokugeza; ezi ti zonke ngazinye zi zala amaweke, ingeko na inye e inyumba pakati kwazo.

3 Izindebe zako zi njengosinga olubomvu, ku mnandi nokushumayela kwako: izinhlafuno zako zi njengecezu lwerimoni nga pansu kwesihluthu sako.

4 Intamo yako i njengenqaba ka Davida e yakelwa izihlangu, lapa ku lenga kona izihlangu ezi inkulungwane, zonke izihlangu zamaqawe.

5 Anabele ako amabili a njengezindhluzele ezimbili ezi amazinyane a amaweke, a dhla pakati kwentebe.

6 Ko ze ku se, amatunzi e muke, ngi ye entabeni yemure, na segangeni lenhlaka.

7 U muhle kanye, sihlobokazi sami: akuko siga kuwe.

8 Woza si muke eLebanoni, mtshakazi wami, si muke eLebanoni si shiye isicongo seAmana, nesicongo seShenire neHermoni si muke emihumeni yezingonyama na sezintabeni zezingwe.

9 U su webe inhliziyu yami, dadekazi wami, mtshakazi wami; u su webe

inhliziyi yami ngelilodwa lamehlo ako, ngomgexo munye wentamo yako.

10 Lu mnandi utando lwako, dadekazi wami, mtshakazi wami: lu mandi kakulu utando lwako ku newaini: nepunga lamafuta ako ku namaka onke!

11 Izindebe zako, mtshakazi wami, zi ya tonsa njengamakekeba ezinyosi: uju nobisi ku nga pansi kolimi lwako; nepunga lezivato zako li njengepunga le-Lebanoni.

12 U insimu ebizelweyo dadekazi wami, mtshakazi wami, umtombo ovaliweyo, nesipetu esivinjweyo.

13 Izilimo zako zi insimu yemiti ya marimoni, nezitelo ezimnandi; amaka ekamfa nespikenadi,

14 Ispikenadi nesafroni; nekalamus nesinamoni, nemiti youke yenhlaka; imure nomhlaba, namaka onke a igugu.

15 Umtombo wamasinu, icibi lamanzu a hlezayo, nemifula e vela eLebanoni.

16 Vuka, moya wenyakato; u ze, wena ningizimu; u pepete ensimini yami, ukuba amaka a kona a tapuke. Ma ku ze isitandwa sami si ngene ensimini yaso, si dhle izitelo zaso ezimnandi.

#### ISAHLUKO 5.

**S**E ngi ngene ensimini yami, dadekazi wami, mtshakazi wami: se ngi yi butile imure yami namaka ami; se ngi wa dhile amakekeba ami noju lwami; se ngi li puzile iwaini lami nobisi lwami; yidhlanike zihlobo; puzanike, ni puze kakulu, batandwa.

2 Ngi ya lala, kepa inhliziyi yami i ya papama, ku izwi lomtandwa wami eli ngqongqotayo li ti ngi vulela, dadekazi wami, mtandwa wami jabakezi lami, ngewekekazi yami: ngokuba ikanda lami li gwele umbete, nesihlulu sami amatonsi a sebusuku.

3 Se ngi si susile isivato sami; ngi ya ku si faka kanjani? se ngi zihlanzile izinyawo zami; ngi ya ku zi ngcolisa kanjani?

4 Umtandwa wami u ngenise isandhla sake ngesikala somnyango kwa ti izibilini zami za nyakaza ngaye.

5 Nga vuka ukusivulela isitandwa sami; kwa ti izandhla zami za tonsa imure, neminwe yami imure e nepunga elimnandi, pezu kwezikibaniso zesivalo.

6 Nga m vulela umtandwa wami; kodwa umtandwa wami wa e se zi catyi-

sile, e se mukile: umpefumlo wami wa u dangala uma e kuluma: nga m biza kepa a ka ngi nikanga mpendulo.

7 Abalindi a ba be vagatya emzini ba ngi fumana, ba ngi tyaya, ba ngi limaza; abalondolozu bezindonga ba ngamuka iveli lami.

8 Ngi ya ni yala, nina madodakazi a seJerusalem, ukuba ni ti uma ni m fumana umtandwa wami, ni m tyele, ukuba ngi ya fa utando.

9 Isitandwa sako si si dhlula ngani isitandwa somunye, wena omuhle pakati kwesifazana? isitandwa sako si si dhlula ngani isitandwa somunye, ukuba u si yale kangaka na?

10 Umtandwa wami u mhlope u bomvu, u inhloko pakati kwezinkulungwane ezi ishumi.

11 Ikanda lake li njengegolide elihle kakulu, isihlulu sake si ya nutuzela, si nnyama njengegwababa.

12 Amehlo ake a njengamehlo amajuba ngasemifuleni yamanzi, a hlanzwe ngobisi, e miswa ngokufanela.

13 Izihlati zake zi njengombundu wamaka, njengezimbali ezimnandi: Izindebe zake zi njengentebe, zi tonsa imure e nepunga elimnandi.

14 Izandhla zake zi njengezindandato zegolide ezi fakelwe ngamatye oberule: isisu sake si njengoqondo lwendhlovu olukanyayo lu qondelwe ngamatye e safire.

15 Imilenze yake i njengezinsika zetye eliteye, ezi bekwe pezu kwezisekelo zegolide elihle: ubuso bake bu njengeLebanoni bu igugu njengesedare.

16 Umlomo wake u mnandi kakulu; ehe, u tandeka wonke kanye. Lowo umtandwa wami, nomhlobo wami, nina madodakazi a seJerusalem.

#### ISAHLUKO 6.

**S**I ye ngapi isitandwa sako, wena omuhle pakati kwezifazana? Si nyamalelele ngapi isitandwa sako? ukuba si si fune kanye nawe.

2 Umtandwa wami wehlele ensimini yake, emadulini amaka, ukuba a dhle emasimini a bute intebe.

3 Ngi ngo wesitandwa sami, nesitandwa sami si ngesami: si dhla pakati kwentebe.

4 U muhle, sihlobokazi sami, njenge-Tiza, u fanelekile njengeJerusalem, u ye sabeka njengempi i pete iziboniso.

5 Guqula amehlo ako u wa suse kimi,

ngokuba a se ngi nqobile; izinwele zako zi njengomhlambi wezimbuzi o bonakala u seGiladi.

6 Amaziyo ako a njengomhlambi wezimvu ezi kupuka ekugezeni oku ti zonke ngazinye zi zala amawele, oku ngeko na inye pakati kwazo e inyumba.

7 Izinhlafuno zako zi njengocezu lwe-rimoni ngapansi kwesihluthu sako.

8 Ku kona amakosikazi a mashumi a isitupa, nabafazi aba mashumi a shiyagalombili, nezintombi ezi nge naku-balwa.

9 Ithobekazi lami, ongwele wami u yedwa; u ngo yedwa kunina, u ngo ketiweyo wake owa m zalayo. Amado-dakazi a m bona, a m bonga; ehe, namakosikazi nabafazi, ba m dumisa.

10 Ubani yena lo okanyayo njengo-kusa, omuhle njengenyanga o qamileyo njengelanga, nowesabekayo njengempi i pete iziboniso na?

11 Ngehlela ensimini yezitelo ukubona izitelo zesigodi, nokubona ukuba ivini li ya kahlela njena, namarimoni a ya qakaza njenu.

12 Ngi nga kazi luto umpefumulo wami wa ngenza njengezinqola zika Aminadibi.

13 Buya, buya, Shulamiti; buya buya, ukuba si ku buke. Ni ya ku bonani kuShulamiti? Oku ngati isixuku sezimpi ezimbili.

### ISAHLUKO 7.

**Y**EKA ubuhle bezinyawo zako zi nezi-catulu, wena nkosazana yobukosi! Amalungu amatanga ako a njengezi-vunulo, ezi umsebenzi wezandhla zenyanga ehlakauipileyo.

2 Inkaba yako i njengendebe e ncweliweyo, e nga li dingiyo iwaini elixutyiweyo; isisu sako si njengenqwaba yamabele e honqelwe ngentebe.

3 Amabele ako amabili a njengamazinyane amabili endhluzele a ngamawele.

4 Intamo yako i njengenqaba yopondo lwendhlovu; amehlo ako a njengecibi eli seHeshbone ngasesangweni la seBatribami, impumulo yako i njengenqaba ya seLebanoni ebekene neDamaseku,

5 Ikanda lako kuwe li njengeKarmeli nezinwele zekanda lako zi njengokububende; inkosi i neatyale ezihonqeni ezi-zepulu.

6 U muhle u ya tandeka, sihlobokazi, ngokujabulisayo!

7 Lesi isibili sako si njengomuti wesu-

ndu, namabele ako njengezidhleke zesivini.

8 Ngi te, ngi zo kupuka ngi ye emtini wesundu, ngi ya kubamba amagatya awo; ku ya kutike amabele ako a be njengezidhleke zesivini, nepunga lempumulo yako li be njengamaapula;

9 Imbovu yomlomo wako i be njenge-waini elimnandi kumtandwa wami, e lehla kamnandi lenza izindebe zabalele-yo zi shumaye.

10 Ngi ngo wesitandwa sami, nesifiso sake si qonde kimi.

11 Woza, sitandwa sami, ma si hambele ngasemasimini, ma si pambukele emi-zini.

12 Ma si vuke ekuseni si ye ezivinini; si boue ukuba ivini li ya kahlela na, nokuba ivini elitambileyo li ya bonakala na, namapomegraneti a ya qakaza na; konake ngi ya kukunika utando lwami.

13 Izigaxa zamamanderake zi pumasa ipunga, emasangweni etu ku kona izinhlobo zonke zezitelo ezimnandi, ezindala nezintya, e nga zi bekela wena, mtandwa wami.

### ISAHLUKO 8.

**S**ENGATI a u njengomfo wetu, o wa ncela amabele ka mame! Uma ngi ku fumana ngapandhle, nga ngi kwanga; ehe, ku ti ngi nge delwe.

2 Nga ngi ku hola, ngi ku lete endhlini ka mame, o nga ngi fundisayo: Ngi nga kwenza ukuba u puze iwaini eli vutyelwe ngencindi yerimoni lami.

3 Isandhla sake sokohlo nga si ba pansi kwekanda lami, nesandhla sake sokunene si ngi gone.

4 Ngi ya ni yala, madodakazi a seJerusalem, ukuba ni nga si babasi ni nga si vusi isihlobokazi sami, si nga ka tandi.

5 Ubani lo oza e kupuka ehlane, e neike pezu komtandwa wake? Nga ku vusa nga pansi komuti wamaapula; lapa unyoko wa ku veza kona, lapa a ku veza kona owa ku zalayo.

6 Ngi beke njengopau enhliziyweni yako, njengopau engalweni yako, ngokuba utando lu namandhla njengokufa; isikwele si lukuni njengesheoli: amalahle abo amalahlle omlilo, a nelangabi eli dangazelayo kakulu.

7 Amanzi amaningi a ka nakulucima utando, nemisinga a i nakulukukula: nokuba umuntu e nikela impahla yonke yendhlu yake ngenxa yotando, i nga delwa kupela.

8 Si nodade wetu omncane, kepa a ka namabele: si ya kwenze njani ngodade wetu mhla e ya ku hlatyezwa na?

9 Uma e be udonga, be si ngaka pezu kwake isigodhlo sesiliva: noma e be umnyango be si nga m bekela ngamapulangwe esedare.

10 Ngi udonga, namabele ami a nje-ngezinqaba: emehlweni ake nga ba nje-ngefumene umusa.

11 uSolomona wa e nesivini e Baalhamoni; wa si nikela isivini kubalindi; bonke ngamunye ngesitelo saso wa e

leta izinhlamvu ezinkulungwane zesiliva.

12 Isivini sami, esi nge sami, si nga pambi kwami; wena Solomona inkulungwane i eyako, nokwa labo aba geina isitelo saso amakulu amabili.

13 Wena o hlala emasinini abangane ba ya li lalela izwi lako: a ke u ngi zwise lona nami.

14 Tyetya, mtandwa wami, u baleke njengendhluzele na njengesixumu sembabala pezu kwezintaba zamaka amnandi.

INCWADI YOMPROFETI

UISAYA.

ISAHLUKO 1.

**I**SIBONISO sika Isaya indodana ka Amozi, o si bonileyo ngoJuda neJerusalem ngezinsuku zika Uzia, noJotamu, noAhazi, noHezekia, amakosi a kwaJuda.

2 Yizwani mazulu, u nike indhlebe nawe mhlaba; ngokuba uJehova u kulumile, Ngondhlile ngi kulisile abantwana, ba ngi hlubukile.

3 Inkabi i ya mazi umniniyo, nembongo umkombe womniniyo; kodwa uIsraeli kazi, abantu bami ka ba qondi.

4 Au, isizwe esi nezono, abantu abaweswe ngokona, inzalo yabenza ububi, abantwana abahlizayo; ba m delile uJehova, ba m vusele o iNgewele ka Israeli ngolaka, ba hlehlele emva.

5 Ni nga be ni sa hlutywelani futi na? ni ya kuhlubuka njalo njalo; ikanda lonke li ya gula, nenhliziyo yonke i qulekile.

6 Ku suke ngapansi konyawo, ku ze ku fike ekanda, a kuko ukuqina pakati; ukulimala kodwa, nezingozi nezilonda ezibolileyo; a zi ze zi nge lathywa, zi botywe, zi totywe na ngekambi.

7 Izwe lenu li citekile, imizi yenu i tyisiwe ngomlilo; nezwe lenu li dhliwa izihambi ni kona, li citekile njengokucita kwezihambi.

8 Nendodakazi ya seZioni i shiyiwe njengendhlu esivini, njengexiba esimini yamaselwa, njengomuzi o vinjelwa impi.

9 Uma uJehova wamabandhla e nga si shiyelanga okuncane kwetu, sa si ya kuba njengeSodoma, na njengeGomora.

10 Yizwani izwi lika Jehova, nina babusi ba seSodoma; nikani indhlebe kuwo umteto ka Tixo wetu, nina bantu ba seGomora.

11 Ukungihlabisa kwenu okuningi ku ngokwani na? u tyo uJehova: Mina ngi suti ngezipo ezityisiweyo zezimpongo, na ngamafuta ezilwane ezikulupalisiweyo; a ngi jabuli na ngegazi lezin-kabi, ne lamacwane ne lezimpongo.

12 Lapo ni fikayo ukubonakala ngapambi kwami, ni bizwe ngubani na? ukuba ni nyatele esigodhlweni sami na?

13 Ni nga be ni sa zi leta izipo zokuzenzisa; okutyisiweyo ku isinengiso kinina; izinyanga ezintya namasabata, nokumema kwabantu, a ngi ku tandi; ku isono, kona loko kuhlangana okungati ku tobekile.

14 Izinyanga zenu ezitwasayo nokuhlabisa kwenu ku ya zondwa umpefumlo wami; ku inhlupeko kinina loko; ngi katele ngokukutwala loko.

15 Na lapo nelula izandhla zenu, ngi ya kunifihlela amehlo ami; na lapo nenza imitandazo eminingi, a ngi i ku-zwa; izandhla zenu zi gewele igazi.

16 Gezani ni be mhlope; ni suse ububi bezenzo zenu ngapambi kwamehlo ami, ni peze ukwenza okubi;

17 Ni funde ukwenza okulungileyo; ni fune ukuhlakannipa, sizani abahlu-

tywayo, nahlulele kahle izintandane, ni mele umfelokazi.

18 Yizanike, ma si qondisane sodwa, u tyo uJehova; noko izono zenu zi bomvu, zi ya kuba mhllope njengongqoqwane; noko zi bonivu tebu, zi ya kuba njengoboya bezikabu.

19 Uma ni ya vuma ni lalele, ni ya kudhla okuhle kwezwe;

20 Kodwa uma ni yala, ni hlubuke, ni ya kuqedwa inkemba; ngokuba umlomo ka Jehova u ku tyilo.

21 Ku ngani ukuba umuzi otembekayo, u su ngowezifebe na? wa u gwele ngokuqonda; kwa hlala ukulunga kona; kodwa manje ku hlezi ababulali.

22 Isiliva lenu se li inhlahanhlaka, iwaini lenu se li xubene namanzi;

23 Amakosi enu a ya hlubuka, a tandana namasela; bonke ba tanda izipo, ba landela inzuzo; a ba m naki o nge nayise, nendaba yomfelokazi a i finyeleli kubona.

24 Ngako u ti uJehova, uJehova wamabandhla, omkulu wa kwaIsraeli, ngi ya kuzipumuza kwabangangitandiyo, ngi ba pindisela aba izita kimi.

25 Ngi buyise isandhla sami pezu kwako, ngi i kipisise yonke inhlahanhlaka yako, ngi li suse lonke itusi lako.

26 Ngi wa buyisela amakosi ako njenga kuqala nabameli bako njenga sekugaleni; ngasemva u ya kubizwa wena umuzi wokulunga, umuzi otembekayo.

27 iZioni li ya ku lungiselwa ekwabeni, nababuyelayo kulo ngokulunga.

28 Nokubulawa kwabahlubuki nabonayo ku ya kuba kanyekanye nabo abamdelayo uJehova, ba ya kuqedwa.

29 Ngokuba ba ya kujaba ngemiti yamamala ena i tandayo, ni ya kukatazeka ngamasimu ena wa ketayo.

30 Ngokuba nina ni ya kuba njengeterebinte ikasi lalo li bunile, na njengensimu e nge namaenzi.

31 Nabanamandhla ba ya kuba njengendola, noyenzayo njengenhansi, ba ya kutya bobabili kanye, a ba i ku citywamuntu.

## ISAHLUKO 2.

I ZWI ela bonwa uIsaya indodana ka I Amози ngoJuda neJeruselema.

2 Ko ti ngezinsuku zokugcina, intaba yendhlu ka Jehova i ya kumiswa ezicongweni zezintaba i pakame ngapezu kwezintatyana; nezizwe zonke zi butane kona.

3 Nabantu abangingi ba ya kuya, ba ti,

Wozani ma si kupukele entabeni ka Jehova, endhlini ka Tixo ka Jakobe; a si fundise ngezindhlela zake; si ya kuhamba emendweni yake; ngokuba umteto u ya kupuma eZioni, nezwi lika Jehova eJeruselema.

4 Naye u ya kunqamula imiteto ezizweni, a kuze abantu abaningi; ba ya kukanda izinkemba zabo, zi be imilomo yamageja, nemikonto yabo i be oncelemba; isizwe a si i ku i vusa inkemba kwesinye, ba nga be be sa kufunda ukulwa futi.

5 Au, Ndhlu ka Jakobe, wozani, ma si hambe ekukanyeni kuka Jehova.

6 Ngako u ba delile abantu bako, indhlu ka Jakobe, ngokuba bandile ngasempumalanga, ba izanusi njengamaFilibisti, nabo ba zijabulisa ngabantwana bezihambi.

7 Izwe labo li gwele nesiliva negolide, a kuko nokugcina kuwo amagugu abo; izwe labo li gwele namahashi, a kuko nokugcina kobuningi bezincwele zabo;

8 Izwe labo futi li gwele nezitombe; ba dumisa umsebenzi wezandhla zabo, wona o wenziwe iminwe yabo.

9 Nomuntu omubi u ya kotama, nomuntu omkulu u ya zitobisa; ngako u nga ba yekeli.

10 Ngena etyeni, u zitukuse otulini, ngenxa yokwesaba uJehova, na ngobungewele bobukosi bake.

11 Ukuziqenya komuntu ku ya kutobiswa, nokuzimisa kwabantu ku ya kutobiswa, uJehova yedwa u ya kuba ngopakemeyo ngalolusuku.

12 Ngokuba usuku luka Jehova wamabandhla lu ya kuba ngapezu kwabo bonke aba ziqenyayo nabazipakamisayo, na kubo bonke abapakemeyo; naye u ya kutobiswa.

13 Na kuwo onke amasedare eLebani amade, napakemeyo, na kuwo onke amaterebinte a seBashane.

14 Na kuzo zonke izintaba ezinde, na kuzo zonke izintatyana ezipakemeyo.

15 Na kuzo zonke izinqaba ezipakemeyo, na kuzo zonke izindonga ezibiyiweyo.

16 Na kuyo yonke imikumbi ya seTarshishi, na kuyo yonke imifanekiso emihle.

17 Nobukulu babantu bu ya kutobiswa, nokuziqenya kwabantu ku ya kutobiswa; uJehova yedwa u ya kuba ngopakemeyo ngalolusuku.

18 Nezitombe u ya kuziqeda nya.

19 Ba ya kungena emigodini yamatye, na kuyo imihume yomhlaba ngenxa yokumesaba uJehova, na ngobungwele bobukosi bake, lapo e vukayo ukuzamazamisa ngokwesabekayo umhlaba.

20 Ngalolusuku umuntu u ya kuponsa izitombe zake zesiliva, nezegolide, a zenzileyo ukuzidumisa yena kuwo amavukuzi na kuwo amalulwane;

21 Ukungena emigodini yamatye, na nga pezu kwamatye a iziwa, ngokumesaba uJehova, na ngobungwele bobukosi bake, lapo e vukayo ukuzamazamisa umhlaba ngokwesabekayo.

22 Pezani kubantu, aba mpefumlo wabo u semakaleni abo, ngokuba ku ya kutiwa u yini yena na?

### ISAHLUKO 3.

**N**NGOKUBA, bheka, uJehova, uJehova wamabandhla, u ya susa eJerusalem, na kuJuda insika nodondolo, insika yonke e isinkwa, nensika yonke e amanzi,

2 Umuntu omkulu, nomuntu wempi, umabi, nomprofeti, noqondayo, nomdala.

3 Induna yabamashumi a isihlanu, nomuntu olungileyo, ummeli nomaki ohlakanipileyo, nomlobi oqondileyo.

4 Ngi ya kuveza abantwana ba be amakosi abo, nezingane zi ya ku ba busa.

5 Nabantu ba ya kuhlutywa, ilowo ngalowo, nalowo ngowakeleue naye; umntwana u ya kuziqenya ngakomdala, nomubi ngakolungileyo.

6 Lapo umuntu u ya kubamba umfo wabo wendhlu ka yise, a ti, Wena u nezingubo, yiba umbusi wetu, na lokukuciteka ku be ngapansi kwesandhla sako.

7 Ngalolusuku u ya kufunga, a ti, A ngi yi kuba umelapi, ngokuba endhlini yami a kuko isinkwa nezingubo; u nga ngenzi ngi be umbusi wabantu.

8 Ngokuba iJerusalem li citakele, noJuda u wile; ngokuba izilimi zabo nezenzo zabo zi pambene noJehova ukucunula amehlo obungwele bake.

9 Ukubonakala kobuso babo ku ya ba fakazela; nabo ba ya vunja ukuti isono sabo si njengeSodoma, a ba tukusi loko. Wo empefumlweni wabo! ngokuba ba zikokele ngokubi.

10 Yityoni kubangingewele ukuba ku ya kuba kuhle ku bona; ngokuba ba ya kudhla izitelo zezenzo zabo.

11 Wo kwababi! ku ya kuba kubi na-

bo; ngokuba inkokelo yezandhla zabo i ya kunikwa bona.

12 Kwa bamike abantu, abahlupi babo ba ya kuba abantwana, ba buswe abesifazana. O bantu bami, bona abaniholayo be nonisa, ba bulala indhlela yemi-gwaqo yenu.

13 uJehova uyena ukunimela, uyena ukwaba abantu.

14 uJehova u ya kungena ekwabeni nabadala abantu bake, namakosi abo; ngokuba nina ni si qedile isivini; impango yabampofu i sezindhlini zenu.

15 U tyo uJehova uTixo wamabandhla, ku ngani ni ba tyaye abantu bami ngokubahleputa na? ni gaye ubuso babampofu na?

16 Futi uJehova u ti, ngokuba amadodakazi a seZioni a ya ziqenya, a hamba ngezintamo ezelulweyo, namhlo a lufipa, a hamba e tebezela, e kenceza na ngezinyawo zawo.

17 Ngako uJehova u ya kutyaya ngezilonda ukakayi lwekanda lamadodakazi a seZioni, noJehova u ya kutola okufihlwayo kwawo.

18 Ngalolusuku nJehova u ya kususa ubuqawe bezihlobiso ezikencezayo zezinyawo zawo, nezinwele zawo, namasongo awo a njengenyanga.

19 Amakatanga, nezigqizo, nezikazimulo,

20 Izigqoko, nezihlobiso zemilenze, nemiqele, neziyinga, nezinviliba.

21 Amasongo, nezihlobiso zekala,

22 Nezivato zokuketa, nezangapezulu, namashali, nezikonwane zezinwele,

23 Nezibuko, nondwangu eyalukekile, namafasikote, nezilembu zokugubuzela.

24 Ko ti, endaweni yamaka amnandi ku ya kuba kona ukunuka; na sendaweni yebande ukubebuka; na sendaweni yezinwele ezilungisiweyo ku be impanhla; na sendaweni yeziyinga ku be ingubo yamasaka; na sendaweni yobuhle ku be ukutyisa.

25 Amadoda enu a ya kuwa ngenkemba, nabakulu benu empini,

26 Namasango alo (iZioni) u ya kukala a lile, na ngezinhlupeko zalo li ya kulhala pausi emhlabatini.

### ISAHLUKO 4.

**K**O ti ngalolusuku abesifazana abalsikombisa ba ya kubamba indoda i benye, ba ti, Si ya kudhla okwetu, si ggoke okwetu; kodwa ma si bizwe ngalako igama kupela, ku suke ihlazo kiti.

2 Ngalolusuku igatya lika Jehova li ya kuba lihle li be ingwele, nezitelo zomhlaba zi ya kuba lungela kakulu abapunyukileyo baka Israeli.

3 Ko ti yena oshiyweyo eZioni naye osalayo eJerusalema, u ya kubizwa ngokuti, u ingwele, na kubo bonke abalotyiweyo kwabapilayo eJerusalema.

4 Lapo uJehova e se i hlanzile iuxenye yensila yamadodana a seZioni, na lapo e se li gezile igazi la seJerusalema ngapakati kwalo ngenhliziyo yokunqamula na ngenhliziyo yokutyisa.

5 uJehova u ya kwenza kuzo zonke izindhlu ezi sentabeni eZioni, na kuyo imihlangano yabo, ifu nomusi emini, nokukanya komlilo ovutayo ebusuku; ngokuba napezu kwesibusiso sonke ku ya kuba kona isivikelo.

6 Ku ya kuba kona indhlu i be umtunzi ekutyiseni kwemini nedawo yokubalekela kona, nesivikelo sesivunguvungu nemvula.

#### ISAHLUKO 5.

**M**ANJE ngi ya kuhlabelela isihlabelelo kotandiweyo wami ngesivini sake. Otandiweyo wami u nesivini kuyo intatyana evundileyo kakulu.

2 Wa si biyela, wa buta amatye a kona, wa si tyala ngevini elitandekayo kakulu, waka inyango ngapakati kwaso, wenza isikamo ngapakati; wa bheka ukuba si tele izinhlamvu, sa tela izinhlamvu za sendhle.

3 Na manje nina bantu ba seJerusalema, namadoda a kwa Juda ngi ya kuleka ukuba ni nqume pakati kwami nesivini sami.

4 Ubani o nga e kwenzile okunye kuso isivini sami, okungenziwanga imina na? Ngako nga bheka ukuba si tele izitelo zaso, sa tela izitelo za sendhle.

5 Hambanike, ngo ni tyela e ngi ya kukwenza kuso isivini sami; ngi ya kususa utango lwaso, si ya kudhliwa; ngo lwapule udonga lwaso, si nyatelwe;

6 Ngi ya kusiveza obala; a si yi kutenwa, si vundiswe; ku ya kuvela izinwane nameva; ngi ya kuyaleza amafuti futi ukuba a nga be sa si netisa.

7 Ngokuba isivini sika Jehova wamabandhla si indhlu ka Israeli, nabantu baka Juda umuti wake otandekayo; wa bhekela ukulunga, wa bona izinhlupeko; wa bhekela ubulungiso wa bona ukukala.

8 Wo! kubona abakelene ndawonye, naba masimu abo e hlangene, i ze i pele indawo, ukuze ba bekwe bodwa ngapakati komhlaba.

9 Ezindhlebeni zami, wa tyo uJehova wamabandhla, ngeqiniso izindhlu eziningi zi ya kuba ngamanxiwa, ezinkulu neziningi; zi uga bi namuutu.

10 Yebo amaeka a ishumi esivinini a ya kutela ibati linye, nezinhlamvu zehona zi ya kutela iefa uje.

11 Wo! kubona aba vuka ekuseni, ukuba ba landele ukupuza okuamandhla, ba nga pezi ku ze ku hlwe, ba ze ba tye iwaini.

12 Ku kona inkoka, nemfijoli, netilongo, nevenge, newaini ku sekuhlanganeni kwabo; kodwa ka ba wu naki umsebenzi ka Jehova, ka ba ku qondi o kwezandhla zake.

13 Ngako abantu bami ba ngene ebugqilini, ngokuba ka ba nako ukwazi; namadoda a qondileyo abo a bulewe indhlala nesixuku sabo si shwabene ukoma.

14 Ngako isihogo si zandisile, sa u vula umlomo waso ngokungalinganiswayo; ubukosi babo, nobuningi babo, nokuziqenya kwabo, naye o jabulayo, ba ya kweukela ku sona.

15 Nomuntu omncane u ya kuwiswa pansi, nomuntu o namandhla u ya kutobiswa, namehlo ake a pakemeyo a ya kutobiswa;

16 Kodwa uJehova wamabandhla u ya kupakanyiswa ekwabeni, noTixo o ingwele u ya kuhlanjululwa ekulungeni.

17 Lapoke amacwane a ya kuzidhlela ngeyawo intando, nezindawo eziciteki-leyo za bacebileyo zi ya kudhliwa izihambi.

18 Wo! kubona aba donsisa isono kunngati ngezintambo zobuze, nesono ngokwangati intambo yengqumbane.

19 Aba ti ma ka tyetye, a tyetyise umsebenzi wake, si ze si wu bone, nenkulumo yongwele ka Israeli i sondele, i ze, si ze si yazi.

20 Wo! kubona aba biza ububi ngokuti okuhle, nokuhle ngokuti ububi; aba bekela ukukanya ubumnyama, nobumnyama ukukanya; aba bekela okumtoti okubabayo, nokubabayo okumtoti.

21 Wo! kubona abahlakanipileyo emehlweni abo, nabaqondileyo ngokwabo ukubona.

22 Wo! kubona aba puza kakulu iwaini, namadoda a namandhla ukuxubanisa upuzo olu namandhla.

23 Aba tetelela ababi ngenxa yenzuzo, nabasusayo ukulunga ku yena olungileyo.

24 Ngako njengomlilo u bulala iziqu, nelangabi li qeda unungu, njalo impande yabo i ya kuba ngokubolileyo, nembali yabo i ya kupepeteka njengotuli; ngokuba ba wu tyingile umteto ka Jehova wamabandhla, ba li delela izwi loiNgewele ka Israeli.

25 Ngako ulaka luka Jehova lu ba vukele abantu bake, naye u selulile isandhla sake pezu kwabo; wa ba tyaya, nezintatyana za tutumela, nezidumbu zabo za hxejulwa ezitaladini. Ngako konke loku ulaka lwake a lu pendukanga, kodwa isandhla sake si seluliwe namanje.

26 U ya kupakamisela izizwe ezi kude indwangu, a ba hlabela umkosi ekugeineni komhlaba; bheka, ba ya kufika ngejubane masinyane.

27 A kako o ya kukatala a kubeke kubona; a kako o ya kozela a lale; nama-bande ezinkalo zabo a ka i kuxekiswa, nentambo yezicatulo zabo a yi i kuqatyulwa:

28 Aba zinti zabo zi bukali, nemicibityolo yonke yabo i gobile, izinyawo zamahashi abo zi yakuba njengesimbi, namasondo abo njengesivunguvungu.

29 Ukubodhla kwabo ku ya kuba njengokwebubesi, ba ya kubodhla njengamatole amabubesi, yebo ba ya kubodhla, ba i bambe impango, ba i mukise kahle, i nga bi sa buyiswa umuntu.

30 Na ngalolusuku ba ya kubadumela njengokuduma kolwandhle; noma omunye e lunguza umhlaba, u ya kubona ubumnyama nokuhlupeka, nokukanya se kumnyama ezulwini.

### ISAHLUKO 6.

**NGOMNYAKA** wokufa kwenkosi Uzia, nga bona uJehova e hlezi esihlalweni sobukosi, e pezulu, e pakeme, nenjobo yake ya li gwalisa itempeli.

2 Ngapezu kwaso kwema anaserafi, ku ilelo li namapika a isitupa; ngamabili wa zisibekela izinyawo, na ngezimbili wandiza.

3 Elinye la memeza kwelinye li ti, Ngewele, ngewele, ngewele, uJehova wa-

mabandhla; wonke umhlaba u gwele ubukosi bake.

4 Nezinsika zomnyango za zamazama ngezwi lake omemezayo, nendhlu ya gwele umusi.

5 Nga ti mina, wo kimina! ngokuba ngi file; ngokuba ngi ngumuntu o zindebe zake zi ngeolile, ngi hlezi pakati kwabantu aba zindebe zabo zi ngeolile; ngokuba amehlo ami a i bonile inkosi, uJehova wamabandhla.

6 La se li ndizela kimi elinye iserafi, li pete ilahle elivutayo esandhleni salo, ela li li tate ngodhlawu ngapezu kwelati.

7 La li beka ngapezu komlomo wami, la ti, Bheka, loku ku zi tintile izindebe zako; isono sako si susiwe nobubi bako bu hlanjululiwe.

8 Nga buye ngezwa izwi lika Jehova, li ti, Ngi ya kutuma ubani na? si ya kuyelwa ubani na? Nga se ngi ti, Ngi lapa, tuma mina.

9 Wa ti hamba, u tyele lababantu, ukuti, ni yezwa, kodwa a ni zwisisi; ni ya bona, kodwa a ni bonisisi.

10 Yenza inhliziyo ya lababantu i kulupale, nezindhlebe zi be butuntu, u vale amehlo abo; fune ba bone ngamehlo, bezwa ngezindhlebe, ba qonde ngenhliziyo, ba kolwe, ba sinde.

11 Nga ti mina, Jehova ko ze ku be nini na? Wa pendula wa ti, ko ze ku citeke imizi, i nga bi sa ba namuntu, nezindhlu zi nga be zi sa ba nabaninizo, nezwe li bi incitakalo yodwa.

12 NoJehova u be susele kude kakulu abantu, ku be kona ubuze obukulu ngapakati kwezwe.

13 Kodwa ngapakati kwalo ku ya kuba kona inxenye yeshumi, nayo i ya kubuya, i dhliwe; njengomuti weala nemala, okupila kwayo ku pakati kwawo, lapo i wisa amaqabunga ayo; njalo inzalo e ingewele i ya kuba i lokokupila.

### ISAHLUKO 7.

**KWA** ti ngezinsuku zika Ahazi indodana ka Jotamu, indodana ka Uzia, inkosi ya kwa Juda, uRezina inkosi ya seSiria, noPeka indodana ka Remalia, inkosi ya kwa Israeli, ba kupukela eJerusalem ukulwa nalo, kodwa ba hluleka ukulahlula.

2 Kwa tyelwa indhlu ka Davida, kwa tiwa, iSiria li hlangene noEfraimi. Inhliziyo yayo ya zamazama, nenhliziyo yabantu bake, njengemiti yehlati i zanyazanyiswa umoya.



3 Wa ti uJehova kuIsaya, Hambake manje, u yo kuhlanguana noAhazi, wena noShearjashubi indodana yako, ekugcineni komsele wecibi eli senhla emgwawweni omkulu wensimu yomhlanzi wezingubo.

4 U ti kuyena, Hlakanipa u tule, u nge sabi, nenhliziyo i ngesatyiiswa ilemisila enibili ya lezizikuni ezitunqayo, ngolaka olusabekayo luka Rezina kanye noSiria, no Iwendodana kaRemalia.

5 Ngokuba iSiria, noEfraimi, nendodana ka Remalia, ba zizekele indaba embi ngawe, be ti,

6 Ma si kupukele eJuda, si li tukulitise, si zenzele ibala kona, si mise inkosi ngapakati kwalo, indodana ka Tabeali.

7 U tyo uJehova uTixo, a ku yi kuma; loko a ku yi kwenzeka futi.

8 Ngokuba ikanda la seSiria li iDamaseku, nekanda la seDamaseku li uRegina; na ngapakati kweminyaka e ngamashumi a isitupa nesihlanu, iEfraimi li ya kwapulwa, li nga be li sa ba isizwe.

9 Ikanda la seEfraimi li iSamaria, nekanda la seSamaria li indodana ka Remalia. Uma ka ni vumi ukukulwa iloku, impela a ni yi ku miswa.

10 Futi uJehova wa kuluma kuAhazi, wa ti.

11 Cela isibonakaliso, kuJehova uTixo wako; si cele noma enjulwini, noma ngapezulu.

12 Kodwa uAhazi wa ti, a ngi yi kucela, a ngi yi ku m yenga uJehova futi.

13 Wa ti Yizwani manje O ndhlu ka Davida; Ku into encane ukuba ni kataze abantu, kodwa ni ya kukataza uTixo wami futi na?

14 Ngako uJehova yena u ya kukunika isibonakaliso; bheka, intombi i ya kumita, i zale indodana, i bize igama layo ngokuti uEmanueli.

15 U ya kudhla ipehlwa nezinyosi, ukuba a ze a qonde ukwala okubi, a kete okulungileyo.

16 Ngokuba umntwana e nga ka kwazi ukwala okubi, a kete okuhle, izwe eni li zodayo li ya kuhlubukwa amakosi omabili alo.

17 uJehova u ya kuleta pezu kwenu, na ngapezu kwabantu benu, na ngapezu kwendhlu ka yihlo, izinsuku e zi nga ka fiki ku suke ngosuku lokupuma kuka Efraimi eJuda; inkosi ya seAsiria.

18 Ko ti, ngalolosuku, uJehova u ya kuhlabela umkosi impukane e nga seku-

gcineni ya sEgipite: nenyosi esizweni la seAsiria.

19 Zi ya ku fika, zi pumule zonke ezigodini ezi ihlane, nasemigodini yamatyane, na pezu kwameva onke, na pezu kwezihlahla zonke.

20 Ngalololusuku uJehova u ya kugunda ngenzingo etyelekiweyo ibona abangapesheya komfula, na kuyo inkosi ya seAsiria, ikanda, noboya bezinyawo; nayo i ya kuqeda futi isilevu.

21 Ko ti, nga lololusuku, indoda i ya kondhla inkomo entya, nezimvu ezimbili;

22 Ko ti, ngobuningi bobisi ezi ya kumnika lona, u ya kudhla ipehlwa ngokuba bonke abashiyiweyo ezweni ba ya kudhla ipehlwa nezinyosi.

23 Ko ti ngalololusuku, zonke izindawo lapo be ku kona amavini a inkulungwane, a lingene isiliva eli inkulungwane, zi ya kuba imizungulu nameva.

24 Abantu ba ya kufika be pete izinkandi nemicibityolo, ngokuba izwe lonke li ya kuba imizungulu nameva.

25 Na kuzo zonke izintaba ezi linywa ngegeja, a ku yi kuvela ukwesaba imizungulu nameva: kodwa zi ya kuba idhlelo lezinkabi, nendawo yokunyatela yeziukomana.

## ISAHLUKO 8.

**F**UTI uJehova wa ti kimi, Zitatele ipepa elikulu elisongiweyo, u lobe kulona ngo Maher-shalal-hash-bazi.

2 Nga zitatele ofakazi abaqinileyo, uUria umpristi, noZekaria indodana ka Jeberekia,

3 Nga ya kumprofeti wesifazana; wa mita, wa zala indodana, wa e se ti uJehova, kimina, biza igama lake ngokuti uMaher-shalal-hash-bazi.

4 Ngokuba ingane i nga ka kwazi nokukala, Baba wami, no Mame wami ubucebi buka Damaseku, nempango ka Samaria yo suswa ngapambi kwenkosi ya seAsiria.

5 uJehova wa kuluma futi kimina, wa ti,

6 Ngokuba laba bantu ba ya wala amanzi eShiloa a hamba kancane, ba jabula ngoRezina nendodana ka Remalia.

7 Manjeke, bheka, uJehova u ya ba fikela ngamanzi omfula, a namandhla amaningi, inkosi ya seAsiria, nobukosi bonke bake; u ya kugewalisa yonke imisele yake, ege nezindonga zouke zake;

8 Naye u ya kudhlula eJuda; u ya kugwala, eqe, u ya kufika nasentanyeni: nokweluleka kwamapiko ake ku ya kugewalisa ububanzi bomhlaba wako O Imanueli.

9 Zihlanganiseni, ni ya kuhletyulwa; ni nike indhlebe, nonke nina bezizwe ezi kude; zigqokiseni ni ya kwepulwa; zigqokiseni, ni ya kwepulwa.

10 Kulumani nodwa, ku ya ku ba ize; yityoni izwi, ka li yi kuma; ngokuba uTixo u nati.

11 Ngokuba uJehova u kulumile loku kimina ngesandhla esi namandhla, wa ngi yaleza ukuba ngi nga hambi nge-ndhlela ya laba bantu, e ti.

12 Musani ukuti, Inhlanganyelo, kubo, bonke aba ya kubizwa ngalaba bantu ngokuti, Inhlanganyelo: ni ngetuki ibona, nesabe.

13 Konzani uJehova wamabandhla yedwa; yena ma ka be ukwesaba kwenu, a be ukwetuka kwenu.

14 Yena u ya kuba indhlu e ingewele, a be itye lokukubeka, netye lokutukutela kuzo zombili izindhlu za kwaIsraeli, a be isikubekiso kubantu baka Jerusalem.

15 Nabanangi kubona ba ya kukubeka, ba we, ba puke, ba badjwe, ba tatwe.

16 Songani isivumelwano ni namatelese umteto kubo abafundi bami.

17 Ngi ya ku m sebenzela uJehova, o bu tukusayo ubuso bake kuyo indhlu ka Jakobe, ngi ya kumfuna.

18 Bheka, mina nabantwana e ngi ba piwe uJehova ba izimangaliso nezibonakaliso zika Jehova namabandhla eIsraeli, o hlezi entabeni iZioni.

19 Na lapo ba ya kuti kinina, Funani ezinyangeni zokubula, na kubatakati abalunguzayo, nabanyenyezayo; a ku fanele ukuba abantu ba fune kuye uTixo wabo na?

20 Kuwo umteto, na kuso isivumelwano; uma be nga kuluma njenga lelizwi ku ngokuba a ku ukukanya kubo.

21 Ba ya kuwudhlula be xinekile be lambile: ko ti, lapo se be lambile, ba ya kuzisola, ba i tuke inkosi yabo no-Tixo wabo, ba bheke pezulu.

22 Ba bheke na kuwo umhlaba; ba bone ukuhlupeka nobumnyama, ukuswelela nokukala; ba xotyelwe ebumnyameni.

ISAHLUKO 9.

**K**EPA ukufipala a ku yi ba njengokuba kwa ku njalo ekukatazekeni

kwalo lapo ekuqaleni wa kataza kalula izwe la seZebuloni nezwe la seNaftali na ngasemva wa li kataza kakulu nga selwandhle ngapeshya kweJordanani eGalile lezizwe.

2 Abantu aba be hamba ebumnyameni ba ku bonile ukukanya okukulu; na labo aba hlezi ezweni letunzi lokufa, ukukanya kwa ba kanyisa.

3 Wandisile isizwe, u nga yandisanga injabulo: ba tokoza pambi kwako njengokutokoza kwa sekuvuneni, nanjengokutokoza kwabantu lapo ba belana impango.

4 Ngokuba u lapulile ijokwe lomtwalo wake nduku yake yokwetyata noti lomhlupayo njenga sosukwini luka Midiani.

5 Ngokuba ukulwa konke ko hlomileyo ku kubene nomsindo, nezingubo zi manzi igazi, kepa loku ku ya kutuyisisa okomlilo wamalahlle.

6 Ngokuba si zalelwe unntwana, si nikiwe indodana; ubukosi bu ya kuba emahlombe ake; u ya kubizwa ngokuti Umangaliso, Isazi, uTixo o namandhla, Uyise o simakade, Inkosi Yokutula.

7 Ukwanda kobukosi bake nokutula a ku yi kuba namkaulo, e sa hlezi esihlalweni sobukosi sika Davida, na sembusweni wake, ukuze a wu qinise, a wu mise ngokwahlulela nokulunga kaloku napakade. Ukunakekela kuka Jehova wamabandhla kwa ku feza loku.

8 uJehova wa tuma izwi kuJakobe lehlela pezu koIsraeli.

9 Abantu bonke ba ya kwazi, noEfrayimi nowakileyo eSamaria, aba ti ngokuzidhla nangokupikelela kwenhliziyu.

10 Isitini si wile, kepa si ya kwaka ngamatye a baziweyo: imitombe i gauliwe, kepa si ya ku yi pendula i be amasedare.

11 Ngako uJehova u ya kumvusela uRezina izita zake, a zi hlanganise ndawonye:

12 Aba seSiria pambili, namaFilisti ngasemuva; ba ya kumudhla uIsraeli ngomlomo o kamisileyo, kodwa ngako konke loko ukutukutela kwake a ku yi kupenduka, nesandhla sake selulekile njalo.

13 Ngokuba abantu a ba buyeli kuye o ba tyayileyo, a ba m funi uJehova wamabandhla.

14 Ngako uJehova u ya kunquma ikanda nomsila kuIsraeli, ilala nebuma ngalusuku lunye.

15 Ilunga, nopakamileyo, u ikanda; umprofeti o fundisa amanga u ngumсила.

16 Ngokuba abaholi ba lababantu ba ya ba pambukisa; nabaholwayo ibo ba bujiswe.

17 Ngako uJehova a ka yi kutokoza ngezinsizwa zabo, a ka yi kuba nomusa kwaba nge nabo oyise na kubafelokazi; ngokuba bonke ba ngabazenzisi, nabe-nzi bokubi, nemilomo yonke i shumayela okubi. Kodwa noko ukutukutela kwake a ku yi kupenduka, nesandhla sake selulekile njalo.

18 Ngokuba ukukohlakala ku ya tyisa njengomlilo; ku ya kuqeda ubobo nameva, ku pembeke emahlahleni ehlati, ba ya kukupuka njengokupuka komusi.

19 Ngolaka luka Jehova namabandhla izwe limnyama, abantu ba ya kuba nje-ngezinkuni zomlilo; amuko namunye o ya kumpata kahle umfo wabo.

20 U ya kuhlwita ngakwesokunene, a lambe; a dhle ngakwesokhlo, a nga suti: ba ya kudhla, ilowaya na lowaya inyama yengalo yake.

21 uManasa u ya ku zondana noEfraini, noEfraini u ya ku zondana noManasa; bonke ba ya kuxabana noJuda. Noko ukutukutela kwake a ku pendukanga, kepa isandhla sake selulekile njalo.

ISAHLUKO 10.

**N**AKO ku labo abenza imiteto emibi, na ku labo aba loba usizi aba lu misileyo.

2 Aba gudhlukisa abadingayo ekwahlululweni, naba susa okulungileyo kubantu bami abampofu, ukuze ba pange abafelokazi kanye nezinkedama.

3 Ni ya kwenzani ngosuku lokuhanjelwa, na sekucitakaleni oku ya kuvela kude na? ni ya kubalekela kubani ukuba a ni size na? Ni ya kushiyapi udumo lweni na?

4 Ngapandhile kwami ba ya kukotama ngapansi kwezibotywa, ba we ngapansi kwababuleweyo. Noko ku njalo konke ukutukutela kwake a ku pendukile, kepa isandhla sake si selulekile njalo.

5 Wo kuAsiria, intonga yolaka lwami; udondolo olu sesandhlani sabo lu ukutukutela kwami.

6 Ngi ya tumela kuye isizwe esizenzi-sayo, nakubantu bolaka lwami ngi ya kumyala, a tate impango, nengcebo nokubanyatela pansu njengodaka lwa sezitaladini.

7 Kepa a ka tyo njalo, nenhliziyo yake a yi qondi njalo; kodwa ku senhliziyweni yake ukububisa nokunquma izizwe eziningi.

8 Ngokuba u ti, Izikulu zami a zi iwo amakosa na?

9 uKalno a ka njengoKakemishi na? uHamati a'ka njengoApadi na? iSamaria a li njengeDamaseku na?

10 Njengokuba isandhla sake si fume-ne imibuso yezitombe, nemifanekiso e baziweyo ya hlula eya seJerusema ne-ya seSamaria.

11 Ngi ngenze yini kuJerusema na sezitombeni zalo, njengaloku ngenza ku-Samaria na sezitombeni zalo na?

12 Ngako ku ya kuti, lapo uJehova e se qedile wonke umsebenzi wake entabeni eZioni na seJerusema, ngi ya kutyaya okupumayo enhliziyweni e nenkani yenkosi ya seAsiria, nodumo lokuza-zisa kwake.

13 Ngokuba ya ti, ngamandhla esandhla sami ngi kwenzile loku, rangokuhlakanipa kwami: ngokuba ngi qondile: ngi susile imikaulo yabantu, ngi pangile ingcebo yabo, ngi wisile pansu abakileyo njengomuntu o isiqwaga.

14 Nesandhla sami si fume-ne njengesihleke ingcebo yabantu; nanjengobutayo amaqanda aseleyo, ngi wu butile wonke umhlaba: a kwa bako o zamazamisa ipiko, no vula umlomo no cingayo.

15 Imbala, izembe li ya kuzikukumeze kuye o gaule ngalo na? nesaha li ya kuzipakamisa kuye o li qubayo na? njengokungati induku i zizamazisa kwabayipakamisayo, noma udondolo lu zipakamisa ngo kungati ka silo ukuni.

16 Ngako uJehova, uJehova wamabandhla, wo tuma ukonda pakati kwabanonileyo bake; nangapansi kodum'lwake u ya kupemba ukutyisa njengokutyisa komlilo.

17 Ukukanya kuka Israeli ku ya kuba njengomlilo, no ingeweke wake wo ba njengelangabi; ku ya kutya ku qede ameva ake, nobobo lwake ngosuku lunye;

18 U ya kuqeda udumo lwehlati nolwensimu yake etelayo, na sempefumleni ku ze ku fike nasenzimbeni; ba ya kuba njengesiguli si pela amandhla.

19 Nensali yemiti yehlati lake i ya kuba ingezana i lingane ukubalwa umntwana.

20 Ku ya kuti ngalolusuku insali ka Israeli nabasindileyo bendhlu ka Jakobe,

ka ba yi kupinda ba zimise kuye o ba tyayileyo, kodwa ba ya ku zimisa kuJehova o ingwele ka Israeli, ngokwempela.

21 Insali i ya kubuya, insali ka Jakobe i buyele kuTixo o namandhla.

22 Ngokuba noko abantu bako aba-Israeli ba njengesihlabati solwandhle, insali yabo i ya kubuya: ukutyisa okumisiweyo ku ya kuba kukulu ngokulunga.

23 Ngokuba uJehova uTixo wamabandhla u ya kububisa, njengokumisiweyo pakati kwezwe lonke.

24 Ngako u ti uJehova uTixo wamabandhla, We bantu bami abakile eZioni, ni nga mesabi owa seAsiria: u ya kumtyaya ngentonga, a ni pakamisele udodolo lwake, njengakwenza Egipte.

25 Ngokuba ngesikatyana esincane, isinengiso si ya kupela, nolaka lwami ekubujisweni kwabo.

26 uJehova wamabandhla wo m vuse-la ukutyaya njengokubulawa kweMidiani edwaleni la seHorebi; nanjengaloku intonga yake ya yi pezu kolwandhle, njalo u ya kuyipakamisa njengokwenza kwake Egipte.

27 Ku ya kuti ngalololusuku, umtwalo wake wo kwelulwa ehlonbe lako, nejo-kwe lake entanyeni yako, nejo-kwe li ya kubulawa ngenxa yokugcotywa.

28 U fikile eAiati, u dlulile eMigrone; u misile izinqola zake eMikmashi.

29 Ba welile ezibukweni: bakile eGaba; iRama li yesaba; iGibea lika Sauli li balekile.

30 Pakamisa izwi lako ndodakazi ya seGalimi; lenze li zwakale eLaishi, wena Anatoti o hlupekileyo.

31 iMadmena li susiwe; abakile eGelimi ba butana ukuba ba baleke.

32 Ngalololusuku u ya kuhlala eNobi: a nikine isandhla sake intaba yendodakazi ya seZioni, intaba ya seJerusalem.

33 Bheka uJehova, uJehova wamabandhla, u ya kunquma igatya ngokwesabekayo: naba izikulu u ya kuba nquma, nabazikulisayo ba ya kutotyiswa.

34 U ya kunquma amahlaha elhlati ngezembe, neLebanoni li ya kuwa ngomkulu.

#### ISAHLUKO 11.

**K**U ya kuvela intonga esipunzini sika Jese, negatya li ya kumila ezimpandeni zake.

2 Nomoya ka Jehova u ya kuhlala pezu kwake, umoya wokuhlakanipa

nowokwazi; umoya wamasu, namandhla: umoya wokwazi, nowokwesaba uJehova:

3 A menze e sabe masinyane uJehova; a nga be e sa nquma ngokubona ngamehlo ake, a nga be e sa yala ngokuzwa ngezindhlebe zake.

4 Kodwa abampofu u ya kubabela ngokulunga, a yale ngokulingeneyo ababileyo bomhlaba: a tyaye umhlaba ngentonga yomlomo wake, nangomoya wezindebe zake, u ya kubulala ababi.

5 Ukulunga ku be uqoto lwesinqe, neqiniso li be uqoto lokuzibopa.

6 Impisi i ya kuhlala newwane, nengonyama i ya kulala kanye nezinyane lembuzi; nenkonyana nezinyane lebusi, nenkatyana kanye kanye: umtwanyana u ya kuzihola.

7 Kwaluke inkomazi nebere; namazinyane azo a lale pansi ndawonye; nebubesi, li dhle utyani njengenkabi.

8 Nomutwana o ncelayo u ya kuhlala pezu komgodi webululu, nolunyuleweyo a beke isandhla engodini wenyoka.

9 A zi ya ku limaza zi bulale kuyo yonke intaba yami e ngewele; ngokuba umhlaba u ya kugwala ngoku m azi uJehova, njengamaenzi e gwalisa ulwandhle.

10 Na ngalololusuku ku ya kuba kona impande ka Jese, e ya ku ma e isiboniso kubantu: abezizwe ba m fune; noku-pumula kwake ku be ngewele.

11 Ko ti nga lololusuku, uJehova u ya kwelula isandhla sake ngokwesibili ukubuyisa insali yabantu baka abaseleyo, Asiria, na seEgipte, na sePatrosi, na seKushi, na seElami, na seShina, na seHamati, naseziqingini zolwandhle.

12 U ya kumisela izizwe isibonakaliso; a bute incitakalo ka Israeli, a butele ndawonye abahlakazekileyo baka Juda kwasemikaulweni yomhlaba.

13 Umona ka Efraimi u ya kupela, nezita zika Juda zi ya kunqunywa, uEfraimi a ka yi ku ba nomona ngoJuda, noJuda a ka yi ku m hlupa uEfraimi.

14 Kodwa ba ya kundiza emahlombe amaFilisti ngasentyonalanga, ba ba pange abasempumalanga kanye kanye; ba beke isandhla sabo pezu kweEdoni neMoabi; nabantwana baka Amoni ba ba lalele.

15 uJehova u ya kuqeda impela iteku lolwandhle lwa seEgipte, nangomoya wake o namandhla a nikine isandhla

sake pezu komfula, a wu tyaye ezimba-xeni zawo ezi isikombisa, enze ukuba abantu ba wele bomile.

16 Ko ba kona umgwaqo o banzi we-usali yabantu bake aba sele Asiria: njengaloku kwa ba njalo kuIsraeli ngoku lokupuma kwake ezweni la sEgipite.

#### ISAHLUKO 12.

**N**GA lololusuku u ya kuti, Jehova, ngi ya kukonza wena; noko wa u ngi tukutelele, ulaka lwako lu pendukile, u ya ngi duduza.

2 Bheka, uTixo u insindiso yami; ngi ya kwetemba, ngi nge sabi, ngokuba uJehova u ngamandhla ami, nesihlabelelo sami.

3 Ngako ngokujabula ni ya kuwaka amanzi emitonjeni yensindiso.

4 Na nga lololusuku ni ya kuti, Dumisa uJehova, shumayela igama lake, bonakalisa izenzo zake kubantu, ni tyo ukuba igama lake li pakeme.

5 Hlabelela kuJehova: ngokuba u zenzile izinto ezilungileyo: loku ku ya-ziwa ezweni lonke.

6 Memeza kakulu wena owakileyo eZioni, ngokuba o ingeweke ka Israeli mkulu ngapakati kwako.

#### ISAHLUKO 13.

**U**MTWALO weBabulona o wa bonwa ufsaya indodana ka Amози.

2 Pakamisani indwangu yesibonakaliso entabeni enkulu, ni ba pakamisele izwi, ni nikine izandhla, ukuze ba ngene emasungweni ezikulu.

3 Ngi ba yalile abaingeweke bami, ngi ba bizile futi abakulu bami ngenxa yolaka lwami, bona abajabula ngobukulu bami.

4 Umsindo wesixuku ezintabeni, kwangati abantu abaningi; umsindo omkulu wemibuso yezizwe zi butene; uJehova wamabandhla u ya buta ibandhla lokulwa.

5 Ba vela ezweni elikude, ekugeinini kwezulu, uJehova, nezikali zokutukutela kwake, ukubulala izwe lonke.

6 Bubulani; ngokuba usuku luka Jehova lu fikele, lu ya kufika njengesibusiso sika simakade.

7 Ngako zonke izandhla zi ya kudangala, nezinhliziyo zonke zabantu zi ya kuncibilika:

8 Ba ya kwesaba, ba fikelwe ubuhlungu nohlupo, ba be nobuhlungu obu njengobesifazana si beleta; ba bekane

ngokumangala; ubuso babo bu be nje-ngamalangabi.

9 Bheka, usuku luka Jehova lu yeza, lu nonya ngokutukutela okukulu, ukulicita izwe; u ya kubulala izoni kulona.

10 Ngokuba izinkanyezi zezulu nokukanya kwazo, a zi i kubakanyisa bona; ilanga li ya ku ba mnyama ekuhambeni kwalo, nenyinga a i yi ku kipa ukukanya kwayo.

11 Ngi ya kuwutyaya umhlaba ngenxa yobubi bawo, nababi ngenxa yobubi babo; ngenze ubuhle babazidhlayo bu pele, ngi wise pansi ukuziqenya kwabesabekayo.

12 Ngenze umuntu a be igugu ku negolide elihle, umuntu ku ngolide eli igugu la seOfire.

13 Ngako ngi ya kulizamazamisa izulu, nomhlaba u ya kusuka endaweni yawo, olakeni luka Jehova wamabandhla, na ngosuku lokutukutela okukulu kwake.

14 Ku ya kuba njengenyamazane e xotyweyo, na njengemvu e nga xotywa muntu; ilowo u ya kubuyela kubantu bake, ba balekele bonke ezweni labo.

15 O tolwayo u ya kugwazwa; naye o hlangene nabo u ya kuwa ngenkamba.

16 Abantwana babo futi ba sakazwe ngapambi kwamehllo abo; izindhlu zabo zi ya kucitwa, nabafazi babo boniwe.

17 Bheka, ngi ya kuvusa amaMidia nga kubona, aba nga yi kuli naka isiliva; negolide a ba i kujabula ngalo.

18 Imicibityelo yabo i ya kuzisakaza iziusizwa, ba nga i dabukeli nenzalo yabo; iso labo a li i kusindisa abantwana.

19 NeBabulona, udumo lwemibuso, ubuhle benkazimulo yamaKaldi, ku ya kuba njenga lapo uTixo wa wisa pansi iSodoma neGomora.

20 A li yi kwakiwa nakanye, a ku yi kuhlaliwa kona na sezizukulwaneni, ngezukulwane; neArabia a li yi kumisa kona; nabalusi bezimvu a ba yi kusibiya isibaya kona.

21 Kodwa izilwane za sendhle zi ya kulala kona; nezindhlu zazo zi ya kugwala okwesabekayo; ku ya kuhlala izikova kona, nezinunu zi sine kona.

22 Nezilwane zeziqingqi zi kale ezindhlini zazo ezicitekileyo, ku hlale izinyoka ezindhlini zazo ezinhle; nesikati salo se si seduze: nezinsuku zalo a zi yi kwandiswa.

## ISAHLUKO 14.

**N**NGOKUBA uJehova u ya kumdabuka kela uJakobe a buye a u kete uIsraeli, a ba beke ezweni labo; nabangaziwayo ba hlanganiswe nabo, ba nama-tele endhlini ka Jakobe.

2 Nabantu ba ya kubatata ba ba lete endaweni yabo; nendhlu ka Israeli i ya kubafuya ezweni lika Jehova, ba be izi-neeku nezincekukazi; ba benze izigqili aba be izigqili zabo; ba buse pezu kwa-babahlupayo.

3 Ko ti ngosuku e ni ya kupumuzwa ngalo ezinhlupenkweni zenu nguJehova, na sekwesabeni kwenu na sebugqilini benu obulukuni e be ni sindezelwa ngabo.

4 Ni ya kuitatela inkosi ya seBabulona no ku tyo ni ti, Wa pela umhlupi! Wa pela umuzi wegolide!

5 uJehova u lwapulile udondolo lwababi nentonga yababusi.

6 Yena o wa tyaya ngolaka abantu ngokutyaya okungakaukiyo, yena owa busa izizwe ngolaka, u hlutyiwe, a ka lanyulelwa muntu.

7 Umhlaba wonke u ya pumula, u tule; ba bidhlika ngokuhlabelela.

8 Yebo, imiti yamafire i ya jabula ngawe namaSedare a seLebanoni, i ti, i loku wa miswa wena, akako umgauli o si vukeleyo.

9 Isihogo sa ngapansi si ya nyakazela ngawe ukukuhlangabeza ekuzeni kwako, si yuse abafileyo ngawe, izikulu zonke zomhlaba: si vusile ezihlalweni zobukosi bazo onke amakosi ezizwe.

10 Bonke aba kuluma be ti kuwe, nawe u su bu takataka njengati na? U su njengati na?

11 Ukuziqenya kwako kwehliselwe etuneni, nsindo wezingumbu zako; izimpetu zalukele ngapansi kwako, nezimpetu zi ya kusibekela.

12 Au ukuwa kwako ezulwini o Lusifa, ndodana yokusa; Au, ukuqunywa kwako panshi, wena o wa u tobisa izizwe!

13 Ngokuba u tyilo enhliziyweni yako wa ti, ngi ya kukupukela ezulwini, ngi ya kumisa isihlalo sami sobukosi pezu kwezinkanyezi zika Tixo; Ngi ya kuhlala futi pezu kwentaba yomhlangano, ezinhlangatini zenyakato;

14 Ngo kupuka pezu kwamafire ezulu; Ngo ba ngangaye o pezu kwako konke.

15 Noko u ya kuletwa panshi esihogweni, emaceleni omgodi.

16 Abakubonayo ba ya kukusinga-singa ba ku qonde, ba ti, Uye lo o wa tutumelisa umhlaba, no wa zamazamisa imibuso na?

17 O wenza umhlaba u be ihlane, no wa bulala imizi yakona; o nga vulanga indhlu yezibotywa.

18 Onke amakosi ezizwe, onke, a lele embusweni i leyo endhlini yayo.

19 Kodwa wena u ntyingawe njengegatya elizondekayo, na njengezivato zababulelweyo, be gwazwe ngenkamba behlela emifantini yamatye njengesidumbu si nyatelwe ngezinyawo.

20 A ku yi ku hlanganiswa nabo ngokumbelwa, ngokuba u li eitile izwe lako, u bulele abantu bako; inbeu yababi a i ku suswa nakanye.

21 Lungisela ukubulawa kwabantwana bake, ngenxa yobubi boyise ukuze ba nga vuki, ba fuye izwe, ba gewalise izwe ngemizi.

22 Ngokuba ngi ya kubavukela, u tyo uJehova wamabandhla, a nqume eBabulona igama, nensali, nendodana nomzukulwane u tyo uJehova.

23 Ngi ya kulenza li be indawo yokuhlala onondwebu, namaeibi amanzi, ngi li tyanele ngomtyanelo wokububisa, u tyo uJehova wamabandhla.

24 uJehova wamabandhla u fungile, e ti, impela njengokucabanga kwami, ku ya kuba njalo, na njengokutyo kwami, ku be njalo.

25 Ukuti, ngi ya kumapula umuntu wa seAsiria ezweni lami, na ngapezu kwezintaba zami ngi m nyatele ngo-nyawo; njaloke ijokwe lake li ya kumuka kubona, nomtwalo wake u suke emahlombe abo.

26 Iko loku e ngi ku cabangele umhlaba wonke; na lesi, si isandhla eseluliweyo pezu kwezizwe zonke.

27 Ngokuba uJehova wamabandhla u tyilo, ubani o nga ku pendula na? nesa-ndhla sake seluliwe, ubani o nga si buyisa na?

28 Lomtwalo u ngowomnyaka wokufa kuka Ahazi inkosi.

29 Ni nga jabuli, nina Palestina nonke, ngokuba intonga yake o ni tyayileyo yapukile; ngokuba empandeni yenyoka ku ya kupuma inyoka, nenzalo yayo i ya kuba inyoka yomlilo endizayo.

30 Nowamazibulo wompofu u ya kudhla, nodingayo a lale ngokwetemba; ngi ya kubulala impande yako ngenhdhla-la, naye u ya kubulala insali yako.

31 Bubula sango; kala muzi; wena Palestina lonke, wahlukene; ngokuba ku ya kuvela enyakato umusi, a kako o ya kuba yedwa ngesikati sake esimisiweyo.

32 Izigijimi zezwe zi ya kupendulwa ngokuti ni na? ukuba uJehova u misile iZioni, nabampofu babantu bake ba tembe kulona.

#### ISAHLUKO 15.

**U**MTWALO ka Moabi. Ngokuba ebusuku iAri lika Moabi li citekile li tulisiwe; ngokuba ebusuku iKire lika Moabi li citekile, li tulisiwe;

2 U kupukele eBajiti, na kuDiboni, izindawo ezipakamileyo, ukukala; iMoabi li ya kububula pezu kweNebo, na pezu kweMedeba; onke amakanda abo a be nempandhla, nezilevu zonke zi pucive.

3 Ba ya kuzigqokisa ngamasaka ezitaladini zabo; ngapezu kwezindhlu zabo, na sezitaladini zabo, ilowo njalo u ya kububula, e kala kakulu.

4 NeHeshbona li ya kukala, neEleale; izwi labo li ya kuzwakala nakuJahazi; ngako amabuto aka Moabi a hlonzileyo a ya kukala; ukupila kwake ku ya kumhlupa.

5 Iuhliziyo yami i ya kukalela iMoabi; ababalekileyo bake ba ya kubalekela iZora, isitole e sie iminyaka emitatu: ngokuba ngokukupuka kwalo eLuhite ba ya kukupuka be kala; ngokuba endhleleni e ya eHoronaimi ba ya kuviza ukukala kokuciteka.

6 Ngokuba amanzi eNimrimi a ya kuciteka; ngokuba utyani bu pelile ukubuna, utyani bu tyile, a ku seko okuhlulaza.

7 Ngako imfuyo aba i tolileyo, nayo aba i kwezileyo, ba ya kuiyisa emfuleni wemiti.

8 Ngokuba ukukala se ku finyelele emikaulweni ya seMoabi nokububula eEglaimi, nokububula eBerelimi.

9 Ngokuba amanzi eDimona a ya kugcwala igazi; ngokuba ngi ya kwengezela eDimona amabubesi eMoabi, na kwaseleyo ezweni.

#### ISAHLUKO 16.

**T**UMANI ixwani kuye umbusi wezwe li suke eSela li ye li fike ehlane, entabeni yendodakazi ya seZioni.

2 Ko ba njengenyoni ezulayo, e kitywe esidhlekeni sayo, njalo amadodakazi

a seMoabi a ya kuba njalo emazibukweni a seArnoni.

3 Hlanganani, nenze okulungileyo, yenza isitunzi sako si be njengobusuku bu vele emini; ni tukuse abaxotyweyo; ni nga m bambi ozulazulayo.

4 Abantyingiweyo bami ma ba hlale nawe, Moabi; u be isivikelo ku bona nga kubo ubuso bompangi; ngokuba a ka seko umhlupi, nompangi ka seko, aba hlupayo ba qediwe ezweni.

5 Na ngomusa isihlalo sobukosi si ya ku miswa; naye u ya kuhlala pezu kwaso ngokulunga endhlini ka Davida, ehluhla, e funa ukwahlulela, e tyetyisa ukulunga.

6 Si zwile ngokuzidhla kuka Moabi; u ya zidhla kakulu, nokuzikukumeza kwake, nokuzidhla kwake nolaka lwake; kodwa amanga ake a i kuma.

7 Ngako iMoabi li ya kububulela iMoabi, bonke ba ya kububula; ngenxa yezimiso ze Kirharetseta ni ya kulila; impela ba hlutyiwe.

8 Ngokuba amasimu eHeshbone a bunile, nevini leLibma; Amakosi abezizwe a yapulile imiti yakona, a fikile na ku Jazeri, a li zulile ihlane; amagatya alo elulekile, a lu welile nolwandhle.

9 Ngako ngi ya ku li kalela ivini la seSibma ngokukala kuka Jazeri; ngi ya ku ku consela ngezinyembezi zami, wena Heshbone, noEleale, ngokuba ukujabula kwezitelo zenu zehlobo, nokuvuna kwenu, ku pelile.

10 Nokujabula ku susiwe, nenjabulo ensimini evundileyo; nasezivinini a ku i ku bako ukuhlabelela, nokumemeza; abanyatelayo a ba sa yi kulinyatela iwawini ezikamweni zabo; ngi i pezisile injabulo yabo ya loko.

11 Ngako izibilini zami zi ya kuzwakala njengogumbu ngenxa ka Moabi, nokupakati kwami ngenxa ka Kirhahreshi.

12 Ko ti lapo se ku bonakele ukuba iMoabi li katele endaweni epezulu, u ya ku fika a tandaze endaweni yake e ingewe; kepa a ka i kwahlula.

13 Ileli izwi ela kulunywa uJehova ngeMoabi ngasemva kwaleso sikati.

14 Kodwa manje uJehova u kulumile, e ti, olu nga ka dhluli iminyaka emitatu, njengeminyaka yokokelwayo, udumo luka Moabi lu ya kuqedwa, kanye naso sonke lesosixuku esikulu, nensali i ya kuba neane kakulu, i be butakataka, kakulu.

## ISAHLUKO 17.

**U**MTWALO weDamaseku. Bheka umuzi weDamaseku wapuciwe, li ya kuba okudilikileyo.

2 Imizi ya seAroeri i balekelwe, i ya kuba e yemihlambi, e ya kulala kona i nge tuswa muntu.

3 Inqaba i ya ku pela Efraimi nombuso eDamaseku, nensali ya seSiria i ya kuba njengodumo lwabantwana baka Israeli, u tyo uJehova wamabandhla.

4 Ko ti nga lolosuku, ubukulu buka Jakobe bu ya kuncityiswa, nokukulupala kwenyana yake ku ya kuzaca.

5 Ku ya kuba njengaloku umvuni u vuna amabele, e vuna izikwebu ngenngalo yake; ku ya kuba njengaye o vuna izikwebu esigodini sa seRefaimi.

6 Noko insali i ya kusala kona, njengokuzanyazanyiswa komuti weolive, izigaqa ezibili noma ezitatu egatyeni elipezulu kakulu, nezigaqa ezine noma ezihlanu ezingatyeni ezi ngapandhle ezitelayo u tyo uJehova inKosi ya kwa Israeli.

7 Ngalolosuku umuntu u ya kubheka umenzi wake, namehlo ake a ya ku m konza o ingewele ka Israeli.

8 A ka i ku bheka kuwo amalati, umsebenzi wezandhla zake, a nga ku naki loko okwenziwe iminwe yake, amalhati nezitombe.

9 Ngalolosuku izinqaba zake zi ya kuba izingatyana ezideliweyo, neungatyana epezulu, aba i shiyileyo ngenxa yabantwana baka Israeli; ku ya kuba kona ineitakalo.

10 Ngokuba u i kohlile inKosi yensindiso yako, u nga li kumbulanga itye lamandhla ako, ngako u ya kutyala imiti elungileyo, u tyale amahlumela a ngaziwayo.

11 Eminni u ya kukulisa umuti wako, nakusasa u ya kuhlumisa imbeu yako, kodwa ekuvuneni ku be ize osukwini lwenhlupeko enzima.

12 Wo! eningini labantu abanangi, a benza umsindo o njengomsindo wezilandhle eziningi; na sekugijimeni kwezizwe, a benza umsindo njengomsindo wamanzi amaningi!

13 Izizwe zi ya kugijima njengokugijima kwamanzi amaningi: kodwa uTixo u ya kubakuza, ba ya kubalekela kude, ba xotywe njengotuli lwezintaba ngapamibi komoya, na njengento e gingqikayo ngapamibi kwesivunguvungu.

14 Bheka kusihlwa ku be kona uku-

hlupeka a nga biko lapo se ku sile. Nasi isabelo sabo aba sipangayo, naba sebelayo.

## ISAHLUKO 18.

**A**U ezweni eli izitunzi zamapiko, eli ngapamibi kwemifula ya seEtiopia;

2 Eli tumela izigijimi ngolwandhle, nasemikunjini yemihlanga pezu kwamanzi, be ti, Hambani nina zigijimi ezi tyetyayo, kulo izwe eli hlakazekileyo neli hlutyiweyo, kubantu o kwa i loku, ba be sabeka, izwe eli hlukanisiweyo neli nyatelwe pansu, nezwe labo loniwe imifula:

3 Nina nonke bomhlaba, naba hleziyo emhlabeni bhokani, lapo e pakamisa indwangu e isibonakalisi ezintabeni; na lapo e beta itilongo, yizwani nina.

4 Ngokuba uJehova wa tyo njalo kimi, ngi ya kupumula mina, ngi qonde endaweni yami yokupumula njengokubalela kwemiti, na njengefu lombete ekufudumaleni kokuvuna.

5 Ngokuba ku nga ka vunwa, isitombo si sa lungile, nenhlamvu yesivini esi munyu si sa zi milela embalini, u ya ku wa nquma amahlumela ngomese wokutena, a wa suse, a nqume namagatya.

6 A ya kusala ndawonye, a shiyelwe izinyoni zezintaba, nezilwane zomhlaba; nezinyoni zenze ihlobo pezu kwawo nezilwane zonke zomhlaba zezwe ubusika pezu kwawo.

7 Na ngalesosikati umnikelo u ya kuletwa kuJehova wamabandhla, u vela kubantu a ba hlakazekileyo naba hlutyiweyo, na kubantu aba be sabeka kona kuqala; isizwe esahlukanisiweyo nesi nyatelwe ngonyawo, izwe labo e se loniwe imifula, kwa ze kwa fika endaweni e negama lika Jehova wamabandhla, intaba iZioni.

## ISAHLUKO 19.

**U**MTWALO weEgipite. Bheka uJehova u kwele pezu kwefu eli gjijima ngamandhla, u ya kufika Egipite; nezitombe za seEgipite zi ya kututumela uyena, nenhliziyo ya seEgipite i ya ku nebibilika ngapakati kwalo.

2 Ng'i ya kuvuselana bona aba seEgipite; ilowo a lwe nomfo wabo, na lowo nowakelene naye; umuzi nomuzi, umbuso nombuso.

3 Nenhliziyo ya seEgipite i ya kutamba ngapakati kwa loku, ngi ya kubulala



nemiteto yakona; ba ya kugijimela izi-  
tombe, nabaungi, nemilozikazana na se-  
zanusi.

4 AbasEgipite ngi ya ku ba nikela  
esandhlani senkosi e nonya; nenkosi  
esabekayo i ya ku busa pezu kwabo, u  
tyo uJehova, uJehova, wamabandhla.

5 Namanzi a ya kupela elwandhle,  
nomfula u ya ku citeka, wome.

6 Ba ya ku i holela kude imifula;  
nemifulana yezivikelo i citeke yome;  
ku bune nomhlanga nekwani.

7 Umhlanga ngasemifulaneni, na nga-  
sezizalweni zemifulana, nako konke oku  
tyaliweyo ngasemifulaneni ku ya kubu-  
na, ku xotywe, ku nga be ku sa biko.

8 Abadobi bezinhlanzi ba ya kulila,  
nabo aba doba emifulaneni ba kale, na-  
beneka amaneta emanzini ba pele ama-  
ndhla.

9 Nabo aba sebenza uzi oluhle, naba-  
luka amaneta ba jabe.

10 Izetembiso zabo zapuke, bonke abe-  
nza amacibi ezinhlanzi.

11 Impela amakosi eZoani a iziula,  
izelulekiso zabahlakanipileyo baka Faro  
se zi ize; ni tyo ngani nina kuFaro,  
ukuti, mina ngi indodana yohlakani-  
pileyo, indodana yamakosi adhlulileyo  
na?

12 Ba pi na? a pi amadoda ahlaka-  
nipileyo na? ma ba ni tyele manje, ba  
bazise oku ya kwenziwa uJehova wama-  
bandhla pezu kwEgipite.

13 Amakosi a seZoani a se iziula, ama-  
kosi a seNofi a kohlisiwe; a li kohlisile  
iEgipite, nabakulu bezizwe za kona.

14 uJehova u xubile umoya opambe-  
neyo kubona, ba ledukisile iEgipite emi-  
sebenzini yalo, njengesidakwa si tenge-  
zela, si hlanzile.

15 iEgipite a li yi kuba namsebenzi,  
ongenziwa ikanda, noma umsila, noma  
igatya, noma incema.

16 Ngalololusuku iEgipite li ya kuba  
njengabesifazana, li ya kwesaba li tutu-  
mele ngenxa yokuzamazama kwesa-  
ndhla sika Jehova wamabandhla, a si  
zamazamisa pezu kwalo.

17 Nezwe la seJuda li ya kuba isesa-  
biso Egipite, no kuluma ngalo u ya  
kwesaba, ngenxa yokuyala kuka Jehova  
wamabandhla a qiniseka ngako ngalo.

18 Ngalololusuku imizi e isihlanu ya  
sEgipite i ya kukuluma ulimi lweKa-  
nani, zi funge ngoJehova wamabandhla;  
omunye u ya ku bizwa ngokuti, umuzi  
wencilakalo.

19 Ngalololusuku ku ya kuba kona  
ilati kuJehova ngapakati kwezwe la  
sEgipite; nenqaba i be kona kuJehova  
nga sosebeni.

20 Ku ya kuba isibonakaliso nofaka-  
zi kuJehova wamabandhla ezweni la  
sEgipite; ngokuba ba ya kukala ku-  
Jehova ngenxa yabahlupe, naye u ya  
ku ba tumela umsindisi omkulu, u ya  
kuba sindisa.

21 uJehova u ya kwazeka Egipite,  
nabasEgipite ba ya ku mazi uJehova  
ngalololusuku, ba hlabe, ba nikele;  
yabo ba ya kufunga isifungo kuJehova,  
ba senza.

22 uJehova a tyaye Egipite; a tyaye  
a li polise, nabo ba buyele kuJehova,  
nabo ba ni ncege, a ba polise.

23 Ngalololusuku ku ya kuba kona  
umgwaqo onikulu u puma Egipite u ya  
eAsiria, nowa se Asiria a ngene Egipite  
nabasEgipite ba ye eAsiria, naba sEgi-  
pite ba sebenze kanye naba seAsiria.

24 Ngalololusuku iIsraeli li ya kuba  
elesitatu kanye neEgipite neAsiria, li  
be isibusiso ngapakati kwezwe;

25 uJehova wamabandhla a ba busisi,  
a ti Li busisiwe Egipite abantu bami, ne-  
Asiria umsebenzi wezandhla zami, ne-  
Israeli ifa lami.

## ISAHLUKO 20.

**N**gomnyaka wokufika kuka Tarta-  
na kuAshdodi, lapo e tunywa uSargo-  
na inkosi ya seAsiria, lapo walwa noAsh-  
dodi, wa li tata.

2 Nga lesosikati wa kuluma uJehova  
ngoIsaya indodana ka Amози, e ti, ha-  
mba u xegise umutya wako u kumule  
isicatulo sako. Wa kwenza loko, wa ha-  
mbaze, a ka zigqoka nezicatulo.

3 Wa ti uJehova, njengaloku uIsaya  
inceku yami wa hambaze emzimbeni  
wonke iminyaka emitatu ukuba isibo-  
nakaliso nesimangaliso Egipite na se-  
Etiopia;

4 Kanjalo inkosi ya seAsiria i ya ku-  
muka nabasEgipite be botyiwe, i tumbe  
aba seKushi abatya nabadala abaha-  
mbaze; na banga fake luto ezinyaweni,  
izinqulu zabo zi ngembesiwe ku be ihla-  
zo la sEgipite.

5 Ba ya kwesaba ba be namahloni  
ngeKushi itemba labo, na ngeEgipite  
udumo lwabo.

6 Abahlala kulelizwe ba ya kuti nga  
lolosuku, Bheka li nje itemba letu, e si  
balekela kulo, ukuba si sizwe si kulu-

Iwe enkosini ya seAsiria si za kusinda kanjani na?

## ISAHLUKO 21.

UMTVALO wehlane lolwandhle. Njengokudhlula kwezivunguvungu za se ningizimu; njalo ku puma ehlane, ezweni elesabekayo.

2 Isibonakaliso esilukuni si bonakalisiwe kinina; umkhohli u sebenza ngokukohlisa, nompangi u ya panga. Kupuka wena Elami; u haqe wena Media; konke ukukala ngi ku pezisile.

3 Ngako ukalo lwami, lu gewele ubuhlungu; ubuhlungu bu ngi pete, kwangati umfazi e beleta; nga gotyiswa ekuzweni loko; nga jaba ekuboneni loko.

4 Inhliziyo yami ya pikazela, nga tyaywa uvalo, ubusuku benjabulo yami u bu pendukezele ngokwesabeka.

5 Lungisani itafula, ni linde emaxibeni, ku dhlilwe ku puzwe; vukani, nina makosi, ni geobe isihlangu.

6 Ngokuba uJehova u ngi tyelile wa ti, hamba u mise umlindi, a ze a ku tyo a ku bonayo.

7 Wa bona incwele nabamahashi ababili, nenewele yezimbongolo, nenewele yamakamelo; wa lalela ngokulalela okukulu;

8 Wa memeza ngokukonya kwebubesi, wa ti nkosi yami ngi ma njalo embonisweni emini, nasebusuku bonke ngi ya linda njalo;

9 Bhekake, nansi incwele yamadoda amahashi ababili, wa pendula wa ti, iBabulona li wile, li wile, nezitombe zonke zezitixo zalo, u za pulele pansi.

10 Au ukubula kwami namabele esibuya sami: loko e ngi ku zwileyo ngoJehova wamabandhla, uTixo weIsraeli, ngi ni tyelile kona.

11 Umtwalo weDuma. U ya ngi memeza e seSira, e ti, mlindi u tini ngobusuku na, mlindi, u tini ngobusuku na?

12 Umlindi wa ti, ku yeza ukusa, nobusuku futi, uma ni ya buza, buzani; buyani, ni ze.

13 Umtwalo pezu kweArabia. Ni ya kulala ehlalini la seArabia, nina zihambi za seDedanimi.

14 Abezwe la seTema ba m letela owomileyo amanzi, ba nqanda yena obalekayo ngezinkwa zabo.

15 Ngokuba ba be balekela izinkemba, inkemba e hotyiweyo, nomebityelo ogotyiweyo, nobunzima bokulwa.

16 Ngokuba, uJehova u tyilo loku kimina, Ngapakati komnyaka, njengeminyaka yokokelwayo lu ya kupila lonke udumo lwa seKeda.

17 Nensali yabemibityelo, iziqwaga zabantwana beKeda, zi ya ku ncityiswa; ngokuba uJehova uTixo weIsraeli u ku tyilo.

## ISAHLUKO 22.

IZWI lesigodi ngesiboniso. U nani na? Ukuba u kupukele kanyekanye pezu kwezindhlu na?

2 Wena o gewele ukwenanela, umuzi ohlokomayo, umuzi ojabulayo; aba fileyo benu a ba bulawanga ngenkemba, ka ba file empini.

3 Zonke izikulu zenu zi balekile kanyekanye, ba botyiwe ngabemibityelo, bonke aba tolwa, kuwena ba botyiwe ndawonye, aba baleka be vela kude.

4 Ngako ke mina nga ti, musani uku ngi bheka mina; ngi ya kukala ngamandhla, musani uku ngi duduza, ngenxa yokucitakala kwentombi yabantu bami.

5 Ngokuba ku ngusuku lwenhlupeko, nolokunyatelwa pansi, nolwenkatazo ngoJehova uTixo wamabandhla, esigodini sesibonakaliso, ukwapula izindonga nokukala ezintabeni.

6 iElami la pata umkonto kanye nabantu bezinewele nabamahashi, neKiri lambule isihlangu.

7 Ko ti, izigodi ezitandekayo zako, zi gewale izinewele, nabamahashi ba zi misele udwendwe, esangweni.

8 Wa ku susa ukusibekelwa kweJuda wa bheka ngalolosuku kuzo izihlangu zendhlu yehlali.

9 Ni bonile futi ukudilika komuzi ka Davida, ukufi kuningi; na wa buta amanzi ecibi eli nga senzansi.

10 Ni zi balile izindhlu za seJerusema, nezindhlu ni zi wisile ukuze ni qinise udonga.

11 Ni wenzile futi umsele emkatini wezindonga ezimbili, ukuze a hambe amanzi ecibi elidala: kodwa a ni bhengkanga kumenzi wako, a ni m hlompanga owa kwenzayo kade.

12 Na nga lolosuku uJehova uTixo wamabandhla wa bizela ukukala, nokula, nobumpandhla, nokubinca amasaka:

13 Bhekake intokozo nenjabulo, ukubulawa kwezinkabi, nokwezimvu, ukudhla inyama, nokupuza iwaini: ma si dhle, si puze; ngokuba si ya kufa ngomuso.

14 Kwa bonakaliswa ezindhlebeni zami ngoJehova wamabandhla, Impela lobububi a bu i ku suswa kinina ni ze ni fe, u tyo uJehova uTixo wamabandhla.

15 U tike uJehova uTixo wamabandhla, Hamba u ye ku lesi sihlobo, kuShebna, o pezu kwendhlu u ti.

16 U nani lapa na? u nobani lapa na? ukuba u ze u zibazele ituna lapa na? noziqopela ikaya esiweni na?

17 Bheka uJehova, u ya kukutyinga ngokutyinga khwendoda a ku songe impela.

18 Impela u ya kukusongisisa, a ku u tyingise kwesigaqa ezweni elikulu; u fe lapa, na lapo izincwele zodumo lwakozizi ya kuba ihlazo lendhlu yenkosi yako.

19 Ngi ku xotye esikundhleni sako, ngi ku wise nasekumeni kwako.

20 Ko ti nga lololusuku, ngi ya kubiza inceku yami uEliakimi indodana ka Hilkia.

21 Ngi m gqokise ngengubo yako, ngi m qinise ngesibopo sako, ngi nike ubukosi bako esandhleni sake; u ya kuba uyise kwaba seJerusalema, na kwa bendhlu ka Juda.

22 Nesihlutulelo sendhlu ka Davida, ngi ya ku si beka pezu kwehlonbe lake; a vule yena, ku nga vali muntu; a vale yena, ku nga vuli muntu.

23 Ngi m qinise kwesipikili endaweni elungileyo; a be isihlalo sobukosi esikanyayo endhlini ka yise.

24 Ba panyeke pezu kwake lonke udumo lwendhlu ka yise, abantwana, nenzalo, izitya zonke ezincane, nezitya zonke ezikulu.

25 Ngalolosuku u tyo uJehova wamabandhla isipikili esi betelweyo endaweni eqinileyo so suswa, si nqunywe, si we; nomtvalo o ngapezu kwaso wonqunywa; ngokuba u tyilo uJehova.

### ISIAHLUKO 23.

**I**ZWI ngeTire. Bubulani nina mikumbi ya seTarshishi; ngokuba li citekile, a iko nendhlu, nokungena ka kuko; ku bonakaliswe kubona nga bezwe leKitimi.

2 Tulani, nina bantu besiqingi; nina eninotisiwe ngabatengi ba seZidoni abawela ulwandhle.

3 Ngamanzi amakulu ku fike kulo izitelo zeSihori, isivuno somfula, si ngukuvuna kwalo; si indawo yentengo kwa bezizwe.

4 Jaba, wena Zidoni ngokuba lu kulu-

mile ulwandhle, namandhla alo, lu ti, a ngi miti, a ngi ba zali abantwana, a ngi zondhli izinusizwa, a ngi kulisi nantombi.

5 Njengenkulumo ya sEgipite, njalo ba ya ku dabuka kakulu ngokuzwa kwabangeTire.

6 Welani ni ye eTarshishi; bubulani, nina bantu besiqingi.

7 Iwo lomuzi wenu otokozayo, ubudala bawo bu ngobesikati esikade na? izinyawo zawo zi za ku wu yisa kude ukuhlala kona.

8 Ubani oku cebileyo loku ngeTire na? umuzi onotileyo, abatengi bawo be ngamakosi, nabaenga kubo be ngabadumileyo bomhlaba na?

9 uJehova wamabandhla u yena oku kulumeleyo, ukucita ukuzidhla kodumo lonke, nokuze ba deleleke bonke abadumileyo bomhlaba.

10 Dhulula ezweni lako njengomfula, wena ntombi ya seTarshishi: a ku seko mandhla.

11 Welula isandhla sake pezu kolwandhle, wa zamazamisa imibuso: uJehova u wu nikile umuzi wabatengi isiyalezelo, ukubidhliza izinqaba zakona.

12 Wa ti, a u sa yi ku jabula, wena ntombi ehlutywayo, ntombi ya seZidoni: vuka u welele eKitimi: na lapo a u yi ku ku tola ukupumula.

13 Bheka izwe lamaKaldi; sa si ngeko lesi sizwe, si nga kenzelwa bona aba be hlezi ehlane nga ba seAsiria; ba zi misa izinqaba za kona, ba yena nezindhlu zamakosi; wa ku cita vusa konke loko.

14 Bubulani, nina mikumbi ya seTarshishi; ngokuba amandhla enu a citekile.

15 Ko ti ngalolosuku, iTire li ya ku kohlakala iminyaka e ngamashumi a isikombisa, njengeminyaka yenkosi inye; nangasemva kweminyaka engamashumi a isikombisa iTire li ya ku hlabelele isihlabelelo sonondhliwa.

16 Tata ugumbu, u hambе emzini, wena nondhliwa o kade u kohlakele; gwaba kahle, u hlabelele izihlabelelo ezininga, ukuze u kunjulwe.

17 Ko ti ngasemva kweminyaka engamashumi a isikombisa, uJehova u ya kuya eTire, nalo li buyele ekuzuzeni kwalo ukuba unondhliwa, lenze ubufebe nemibuso yomhlaba lapo kwakiwe kona.

18 Nentengo yalo, nenzuzo yalo, ku be inzuzo kaJehova, a ku i ku bekwa,

ku godhlwe, ngokuba leyo nzuzo i ya kuba okwaba aba hlala ngapambi kuka Jehova, ukuze ba sute, ba gqoke kahle.

#### ISAHLUKO 24.

**B**HEKA, uJehova u wenza ize umhlaba, u ya wu cifa, u ya wu guqula, u sakaza nabantu bawo.

2 Ko tike, njengabantu ku be njalo na kumpristi: na njengenceku ku be njalo na senkosini yayo; na njengencekukazi ku be njalo na kuyo inkosikazi yayo; na njengomtengi ku be njalo na ko tengisayo, na ko tyelekayo ku be njalo na ko tengisayo, na ko tyelekayo ku be njalo na kumtyeleki, na ku yena o necala, ku be njalo na ko necala kuyena.

3 Izwe li ya kuba ize nempela, li be incitakalo nempela; ngokuba uJehova u li tyilo lelizwi.

4 Umhlaba u ya kala u ya buna, izwe li ya dangala li ya buna, abaziqenyayo bomhlaba ba dangele.

5 Izwe li ngolise ngabahamba kulona; ngokuba ba yapulile imiteto, ba si pendulile isimo, ba sa pulile isivumelwano e si ma njalo.

6 Ngako ukuqalekisa ku wu ngenele umhlaba nabo aba kulo ba citekile; ngako abantu bomhlaba ba tyisiwe, ba ingeosana aba seleyo.

7 Iwaini elitya li ya kala, isivini si dangele, bonke aba nhliziyo i tokozayo, ba ya bubula.

8 Injabulo yamatilongo i pelile, umisindo wabo abajabulayo u pelile, injabulo yogumbu i pelile.

9 A ba i ku li puza iwaini ngenjabulo; okubukali ku ya baba kubo aba ku puza yo.

10 Umuzi wencitakalo u bidhliziwe; zonke izindhlu zi valiwe, ku nga ngeni muntu.

11 Ku kaelwa iwaini ezitaladini, yonke injabulo i fihlakele, injabulo yezwe i mukile.

12 Elnzini ku sele incitakalo, nesango se lapuliwe nempela.

13 Ku be njaloke ngapakati kwabantu ezweni, ku ya kuba njengokuzamazama komgwenya, nokuvuna kwezivini lapo se ku vunive.

14 Ba ya kuvusa izwi labo, ba hlalalele ubukosi buka Jehova, naba selwandhle ba kale ngamandhla.

15 Ngakoke dumisani uJehova ni sezinhlupekweni, negama lika Jehova uTixo ka Israeli eziqingini zolwandhle.

16 Si zi zwile izihlabelelo ezi vela na sekugecineni komhlaba, udumo kwabalingileyo. Kodwa nga ti mina ukuzaca kwami ukuzaca kwami, maye kimina, abakohlisi ba kohlisile, abakohlisi ba kohlisile kakulu.

17 Ukwesaba, nomgodini, esihibe, si pezu kwako, wena o hleziyo emhlabeni.

18 Ko ti yena obalekela umsindo wokwesaba, u ya kuwela emgodini; maye o pumayo ngapakati komgodini, u ya kubajwa esihibeni; ngokuba izibuko zapezulu zi vuliwe, nezisekelo zomhlaba zi ya zamazama.

19 Umhlaba wapukile impela, umhlaba u ncibilikile impela, umhlaba u zamazamiwe impela kakulu.

20 Umhlaba u ya kutengezela njengesidakwa, u qubekiswe njengendhlu, nesono sawo si sinde pezu kwawo; u we u nga be u sa vuka.

21 Ko ti ngalololusuku, uJehova u ya kutyaya isixuku sabakulu aba pezulu, namakosi omhlaba pezu komhlaba.

22 Ba butiwe ndawonye, njengezibotywa zi butwa emgodini, ba vaelwe endhlini yokubotyelwa, na ngemva kwenzinsuku eziningi ba ye ku bonwa.

23 Nenyanga i dinge, nelanga li jabe, lapo uJehova wamabandhla u ya ku busa entabeni iZioni na seJerusalema, na ngapambi kwabadala bake ngobukosi.

#### ISAHLUKO 25.

**J**EHOVA, wena u nguTixo wami, ngi za kukukulisa wena, ngi za kulidumisa igama lako; ngokuba u zenzile izinto ezi isimangaliso; iziyalezo zako ezidala zi ukulunga neqiniso.

2 Ngokuba u wu citele umuzi wa wenza inqwaba, nomuzi obiyelweyo wa wenza incitakalo; nendhlu endhle yezihambi i nga bi iwo umuzi: u nga be u sakiwa nakanye.

3 Ngako abantu aba namandhla ba ya kukudumisa wena, umuzi wezizwe ezisabekayo zi kwesabe wena.

4 Ngokuba wena wa u ngamandhla kwabampofu, amandhla kodingayo ekuhlupekweni kwake, inqaba kuso isivunguvungu, isitunzi elangeni, lapo ukutukutela kwabo abasabekayo ku fana nesivunguvungu ngasodongeni:

5 U ya ku wehlisa umsindo wabehambi, njengelanga endaweni eyomileyo: nelanga li netunzi left: igatya labesabekayo li za kuletwa pausi.

6 Na kuyo lentaba uJehova wama-bandhla u ya kwenzela abantu bonke isidhlo sokukulupeleyo, nokudhla kwewaini li senzikini okukulupeleyo ku gewele umkantya, newaini li senzikini li lihle.

7 A bulale futi ku lentaba okumbozayo ubuso kubantu bonke, nolembu olu sibekele izizwe zonke.

8 A gwinye ukufa ngokunqoba; no-Jehova uTixo e sule izinyembezi kitina sonke ebusweni; a suse nokweisa kwabantu bake emhlabeni wonke; ngokuba uJehova u ku tyilo.

9 Ko tiwa ngolololusuku, Bheka, nangu uTixo wetu; si m hlalele, naye u ya ku si sindisa: ilowo uJehova; si m hlalele, si za kujabula si tokoze ekusindiseni kwake.

10 Ngokuba isandhla sika Jehova si ya kupumula kulentaba, neMoabi li ya ku nyatelwa pansi, njengotyani obu nyatelwa bu be umquba.

11 Naye u ya kuzelula izandhla zake ngapakati kwabo, njengokwelula kwake izandhla ohlambayo; a tyonise pansi ukuzidhla kwabo kanye nempango yezandhla zabo.

12 A wise pansi nenqaba yezindonga zabo ezinde a lete emhlabatini nempela, na sotulini.

### ISAHLUKO 26.

**N** GALOLOLUSUKU leligama li ya kuhlatyelelwa ezweni la seJuda lokuti si nawo umuzi o namandhla, noTixo u ya kumisela insindiso i be izindonga nezingaba.

2 Vulani amasango, ukuze isizwe esilungileyo nesinamatela eqinisweni si ngene.

3 U ya kumondhla ngokutula okupeleleyo yena onhliziyo yake i namatele kuwena; ngokuba u yetemba kuwena.

4 Tembani njalo njalo kuJehova; ngokuba kuJehova ku kona amandhla a nga peliyo.

5 Ngokuba u ya behlisa aba hlezi pezulu; umuzi o sempakameni, u wehlisela pansi, u wehlisela na semhlabatini; u wu leta na sotulini.

6 Unyawo lu ya ku wu nyatela, izinyawo zabampofu nabadingayo.

7 Indhlela yabalungileyo i lungile; wena o dhlula bonke ngokulunga, u ya i hlala indhlela yabalungileyo.

8 Yebo Jehova ezindhleleni zezabelo

zako si ku lindile, imfihlakalo yompefumulo wetu i segameni lako, na sekukumbuleni wena.

9 Ngompefumulo wami ngi ku nxa-nele ebusuku; yebo ngomoya wami o pakati kwami, ngo ku funa ekuseni; ngokuba lapo izabelo zako zi semhlabeni, abantu bomhlaba ba ya kufunda ukulunga.

10 Noma omubi e patwa ngobuhle noko a ka i ku ku funda ukulunga; ezweni lokulunga u ya kwenza okubi, a nga bu bheki ubukosi buka Jehova.

11 Jehova lapo isandhla sako si pakeme a ba i ku ku bheka: kodwa ba ya kubona ba jabe ngomona a ba nawo ngabantu bako; yebo, umlilo wezita zako u ya ku ba gwinya.

12 Jehova u ya ku si misela ukutula, ngokuba wena u yenzile yonke imisebenzi yetu e kitina.

13 Jehova Tixo wetu amanye amakosi ngapandhle kwako a be busa pezu kwetu; kodwa ngawe wedwa si za kukuluma ngegama lako.

14 Ba file, a ba i ku pila; ba nokufa a ba i ku vuka, ngako u ba hambele wa ba bulala, nenkumbulo yonke ngabo wa i qeda.

15 U sandisile isizwe, Jehova u sandisile isizwe; u dumile wena; u si susele kude ekugeineni komhlaba.

16 Jehova ekuhlukeni kwabo ba ku hambela, ba kipa umtandazo lapo ukutyaya kwako ku pezu kwabo.

17 Njengesifazana si miti, si seduze nokubeleta, si nobuhlungu, si kala si sezinsekani zaso, be si njaloke nati emehlweni ako Jehova.

18 Nati sa kulelwa, sa nobuhlungu, sa zala o kwangati umoya nje, a senzanga nakanye ukukulula emhlabeni; futi a ba wanga abantu bomhlaba.

19 Abafileyo bako ba ya kupila, ba ya kuvuka kanye nesidumbu sami. Vukani ni hlabelele nina eni hleziyo otulini; ngokuba umbete wenu u fana nombete wemiti, nomhlaba u ya kukipa abafileyo bawo.

20 Wozani, bantu bami, ngenani ezindhlini zenu, ni zi valele ngapakati; ni zi tukuse isikatyana, ku ze ku dhlule lokukueanuka.

21 Ngokuba, bheka, uJehova u ya puma endaweni yake ukutyaya abantu bomhlaba ngenxa yobubi babo: umhlaba u ya kuveza igazi lawo, u nga be u sa ba sibekela ababuleweyo bawo.

ISAHLUKO 27.

**N**GOLOLUSUKU uJehova u ya kutyaya uleviatani inyoka e hlabayu ngenkamba yake ebuhlungu, nenkulu, nenamandhla, uleviatani inyoka ensongesonge; a bulale nesilwane esi selwandhle.

2 Ngalololusuku hlabelelani, ngesivini sewaini elibomvu.

3 Mina Jehova ngi ya si londoloza; ngi ya ku si tela amanzi njalo njalo, ngi za ku si londoloza emini nasebusuku, funa a vele osonayo.

4 A kuko ukutukutela kimi; ubani o nga ngi tiya ngamatya nameva empini na? ngi nga fohla kuko loko, ngi ku tyise kanyekanye.

5 Kepa uma ku njalo, ka bambelele emandhleni ami, ukuze enze umusa nami; a wenze umusa nami.

6 U ya kwenza aba ka Jakobe ba mile; iIsraeli li qakaze li be nembali, li gwalise ubuso bomhlaba ngezitelo.

7 U m tyayile njengokubatyaya kwake aba m tyayayo na? U bulewe njengokubulawa kwababuleweyo uyena na?

8 Ngoku m xoty a u m tyayile ngokulingeneyo wa veza umoya wake omkulu ngosuku lomoya wa sempumalanga.

9 Ngalokoke ububi buka Jakobe bu ya ku hlanjululwa; na loku ku izitelo zonke ezi susa isono sake; lapo e wenza onke amatye elati njengamatye omcako a hletyuliweyo, amahlathi nezitombe a zi i kuma.

10 Noko umuzi obiyelweyo u ya kuba ize, nekaya li nga bi namuntu, li shiywa njengehlane; kwaluke inkonyane kona, i lale kona, i dhle amagatya a kona.

11 Lapo amagatya se bunile, a ya kwapulwa; ku fike abesifazana ba wa tyise ngomlilo; ngokuba ku ngabantu aba ngazi luto: ngako yena obenzileyo a ka yi ku ba haukela, naye o ba bumbileyo a nga bi namusa kubona.

12 Ko ti ngalololusuku, uJehova u ya kuhola umsinga womfula u ye emfulaneni wa sEgipite, ni butwe ngabanye, nina bantwana baka Israeli.

13 Ko ti ngalololusuku, itilongo elikulu li ya kubetwa, nabo ba fike aba be cityu ukufa ezweni la seAsiria, nabantyingiweyo ezweni la sEgipite, ba dumise uJehova entabeni e ingeweke eJerusalem.

ISAHLUKO 28.

**W**O kumqele wokuzidhla, na kuzo izidakwa za seEfraimi, ubuhle obuku-

lu bazo bu imbali ebunayo, aba pezu kwekanda lezigodi ezikulupeleyo, zabo aba dakiweyo iwaini.

2 Bheka, uJehova u naye omkulu, no namandhla, o ya ku wisa pansi ngesandhla sake oku njengesivunguvungu esibulalayo, nesileta amatye, noku njengamanzi amaningi ega ezindongeni.

3 Umqele wokuzidhla wezidakwa zakwa Efraimi, zi u uyatelwe ngapansi konyawo:

4 Nobuhle obukazimulayo, obu pezu kwekanda lesigodi esikulupeleyo, bu ya kuba njengembali ebunayo, nanjengezitelo ezityetyayo ku nga ka fiki ihlobo: ku ti ozibonayo zi se sezandhleni zake a zidhle.

5 Ngalololusuku uJehova wamabandhla u ya kuba umqele nodumo, nomqele wenkazimulo kuyo insali yabantu bake.

6 Nomoya wokwahlulela kuye o hlezi ahlulela, namandhla kubo aba pendulela impi ngasesangweni.

7 Kodwa bona futi bonile ngeuxa yewaini, na ngokupuzo oku namandhla ba dukile; umpristi nomprofeti bonile ngokupuzo oku namandhla, ba gwinyiwe iwaini, be dukile ngokupuzo oku namandhla; ba duka ekuboneni, ba kubeka ekwahluleni.

8 Ngokuba zonke izitebe zi gewele ubuhlanzo nobubi, a kuko ndawo engangeolile.

9 U ya kufundisa ubani ukwazi na? a qondise ubani izifundo na? bona abalunylweyo, be susiwe emabeleni.

10 Ngokuba umteto ma u be ngomteto, umteto ngomteto, nomudwa u be ngomudwa, umudwa ngomudwa; lapa ingeosana, na lapa ingeosana;

11 Ngokuba u ya kukuluma kulababantu ngezindebe ezimamatekayo, na ngolunye ulimi.

12 A ti kubona, naku ukupumula eni ya kupumuzi ngabo abakateleyo: na loku ku iko ukupumula; kodwa a ba lalanga.

13 Kodwa izwi lika Jehova la li kubona umteto ngomteto, umteto ngomteto: umudwa ngomudwa, umudwa ngomudwa; lapa ingeosana na lapa ingeosana; ukuze ba hambe, ba we ngemuva bapuke, ba bajwe, ba tatwe.

14 Ngakoke yizwani izwi lika Jehova, nina beisi eni busa laba bantu aba seJerusalem.

15 Ngokuba ni tyilo ukuti, si senzile

isivumelwano nokufa, si vumelene futi netuna; ukuti lapo ku dhlula ukutyaya okukukulayo, ku nga fiki kitina; ngokuba senzile amanga a be isisekelo setu, si zitukusile ngapansi kwamanga:

16 Ngako u ti uJehova uTixo, Bheka ngi ya beka eZioni isisekelo setye, itye eli lingiweyo, itye legumbi eli igugu, isisekelo esiqinileyo, yena okolwayo a ngenzi amawala.

17 Ngi ya kumisa futi ukwahlulela kuyo intambo, nokulunga kulo iplumeti; namatye ezulu a muke nenqaba yamanga, namanzi a sibekele indawo yokuzitukusa.

18 Nesivumelwano senu kanye nokufa sapulwe, nesivumelwano senu netuna si ngemi, nokutyaya okukukulayo lapo ku dhlulayo ku ni nyatele pansi.

19 Lapo ku punayi njalo ku ya kunitata, ngokuba kusasa nga kusasa, njalo ku ya kudhlula, emini na sebusuku; ku be inkatazo nokuzwa ngendaba yako.

20 Ngokuba icansi li futyane ukuba umuntu a zelule kulona; nengubo i ncanene ukuba umuntu a zembese ngayo.

21 Ngokuba uJehova u ya kuvuka njenga sentabeni iPerazimu a tukutele njenga sesigodini eGibeoni, ukuba enze umsebenzi wake; a feze ukwenza kwake, ukwenza kwake okumangalekayo.

22 Manjeke ni ngabi abeisi, funa izibopu zenu zi qinise: ngokuba ngi zwile ngoJehova uTixo wamabandhla ngencitakalo, e bekelwe umhlaba wonke.

23 Nikani indhlebe, ni zwe izwi lami; yizwani, ni zwe inkulomo yami.

24 Umlimi u ya lima lonke usuku e limela ukuhlwaneyela na? u ya qekeza a dube izisinde zomhlabati wake na?

25 Lapo e se lungisile ngapezulu, a ka wa hlwanyeli ini amafityizi a vumvuzele ikumini, a tyale ukolweni namabele endaweni yawo, nerayi emceleni na?

26 Ngokuba uTixo wake u m azisa ingqondo, a m fundise.

27 Ngokuba amafityizi ka bulwa ngensimbi, nesondo lengqokumbane ka li pendulwa pezu kwekumini; kodwa amafityizi a bulwa ngesibulo, nekumini ngenduku.

28 Amabele esinkwa a ya bulwa: Kepa a ka na ku wa bula isikati eside a ngeqngqe isondo lengqokumbane pezu kwawo, ba nga wa cezuli abamashashi bake.

29 Lokuke ku puma kuJehova wamabandhla, o isimangaliso enkulumweni, nomkulu ekwenzeni.

WO kuArieli, kuArieli, umuzi o wa u hlala uDavida, yandisani umnyaka ngomnyaka, hlabisani.

2 Noko ngi ya ku li hlupa iArieli, ku be kona ubunzima nenhlupeko; ku za kuba njengeArieli, kimi.

3 Ngi ya kumisa ngi ku haqe, ngi ku vimbele ngodonga, ngi ku misele izinqaba.

4 Nawe u dilizwe, u kulume u semhlabatini, nenkulumo yako i be pansi, otulini, nezwi lako li be njengelomlozi li puma emhlabatini, nenkulumo yako i nyenyeze otulini.

5 Futi ubuningi bezizwe bako bu be njengotuli oluncane, nobuningi babo abesabekayo bu be njengamakoba a dhlulayo; yabo kwenzakale masinya impela.

6 U fikelwe uJehova wamabandhla ngokuduma, na ngokuzamazama komhlaba, ngomsindo omkulu, ngesivunguvungu, na ngelangabi lomlilo oqedayo.

7 Iuingi lezizwe zonke ezi lwa noArieli nabo bonke aba lwa nalo nezingqaba zalo, naba li hlupayo, ba be njengepupula sebusuku.

8 Ku be njengokulamba komuntu o pupa e dhla a vuke e sa lambile; nowomileyo a pupa e puza; kodwa a vuke e pela mandhla umpfumulo wake u fise: ko ba njalo kubo ubuningi bezizwe zonke, ezi lwa nentaba iZioni.

9 Yimani ni mangale; kalani ni meze; ba dakiwe bona, kodwa qa nge-waini; ba ya tengezela, kodwa qa ngenxa yopuzu olu namandhla.

10 Ngokuba uJehova u ni fikele ngomoya wobutongo obukulu, u wa valile amehlo enu; abaprofeti nababusi benu aba izanusi u ba sibekele.

11 Nesiboniso sako konke se si kinina njengamazwi enewadi enamatelisiweyo, e nikwa kwabanokwazi ngabantu, be ti, funda loku, ngi ya kuncenga: a ti yena a ngi nako, ngokuba i namatelisiwe:

12 Incwadi i nikwa yena onganakwazi, be ti, funda loku, ngi ya kuncenga; a ti yena, a ngi fundile mina.

13 Wa tike uJehova, ngokuba laba bantu ba sondela kimi ngemilomo yabo, be ngi konza na ngezindebe zabo, kodwa izinhliziyo zabo be zi qubekisile kude nami, nokungesaba ba ku fundiswa ngenkulumo yabantu.

14 Ngako, bheka, ngi ya kusuka nge-nze umsebenzi o isimangaliso kulababantu, umsebenzi o isimangaliso impela;

ngokuba ukwazi kwabahlakanipileyo babo bu pele, nokuqonda kwabaqondayo ku fililwe.

15 Wo kubona aba linga kakulu ukutukusa izenzo zabo nga kuJehova, nemisebenzi yabo i sebunyamani, aba ti, ubani o si bonayo, saziwa ubani na?

16 Impela ukupendukezela kwenu izinto ku ya kuba njengebumba lombumbi; umsebenzi u ya kuty o ku yena owenzileyo, u ti a u ngenzanga na? into ebuujiweyo i ya kuti ku yena o i bumbileyo, i ti, a ka qondanga luto na?

17 A ku iso isikatyana iLebanoni li pendulwe li be insimu evumileyo, nensimu evumileyo i be ihlali na?

18 Ngalololusuku izitulu zi ya kuzwa amazwi enewadi, namehlo ezimpumpute a bone ekufipaleni na sebunyamani.

19 Nabatobekileyo bandise injabulo yabo kuJehova, nabampofu kubantu ba jabule ngo ingewele ka Israeli.

20 Ngokuba owesabekayo u se ize, no wesayo u bulewe, nabo bonke aba lindela ububi ba nqunyiwe.

21 Aba menzela icala ununtu ngenxa yegama, ba m tiye yena o kuzayo ngasesangweni, ba pendule abalungileyo ngenxa yento e ize nje.

22 Ngako u ti uJehova, o wa sindisa uAbrahama, ngenxa yendhlu ka Jakobe, uJakobe a ka sa i ku jaba manje, nobuso bake bu nga papateki.

23 Kodwa lapo e bona abantwana bake, umsebenzi wezandhla zami, be ngapakati kwake, ba ya ku konza igama lamini, ba konze o ingewele ka Jakobe, besabe uTixo ka Israeli.

24 Nabo a ba be duka ngenhliziyo, ba ya kuzwa ba qonde, na ba be sola be funde.

ISAHLUKO 30.

**W**O kubantwana abahlubukileyo, u tyo uJehova, aba mkela indaba i nga pumi kimi; na bambete isanibato, ku nge iso somoya wami, ukuze bandise isono pezu kwesono:

2 Na behleka Egipite, be nga celango ko wami umlomo; ba ziqinisa emandhleni kaFaro, be temba isitunzi sa sEgipite:

3 Ngako amandhla ka Faro a ya kuba ihlazo lenu nesetembiso kuso isitunzi sa sEgipite si be incitakalo yenu.

4 Ngokuba izikulu zake za zi seZoani, nezigijimi zake za fika eHanesi.

5 Ba be jabile bonke ngabantu aban nge nakubasiza ngaluto, nokwelekelana

nokuba inzuzo, kodwa be ihlazo, be hlebekile.

6 Izwi lezilwane za seningizimu; ezweni lenhlupeko nokukala, lapo ku puma kona ibubesi elitya nelidala, nebululu nenyoka yomlilo endizayo, ba twale imfuyo yabo pezu kwezimbongo ezintya, namagugu abo pezu kwamalunda amakemelo, ba yise kubantu aban nga i ku ba siza.

7 Ngokuba aba sEgipite a ba i kusiza ngaluto: ngako nga kala ngenxa yaloku, Amandhla abo a ukuhlala pansi.

8 Hambaka u lobe loku ngapambi kwabo esitebeni, u ku fake na senewadini, ku be okwesikati esizayo ku ze ku be ngunakade.

9 Loba ukuti, labantwana ba hlubukile, ba namanga, abantwana aban nga u zwayo umteto ka Jehova.

10 Aba ti ezanusini, ni nga be ni sa bona; na kubaprofeti, ni nga si bonisi okulungileyo; kulumani kitina okulula, yityoni amanga.

11 Pumani endhleleni ni cezuke kuyo, nenze o ingewele ka Israeli ukuba a pele ngapambi kwetu.

12 Ngako u ti o ingewele ka Israeli, Ngokuba a ni li laleli lelizwi, netemba enhlupekweni na sesipambukweni, ni namatele ku kona;

13 Ngako lobububi bu ya kuba pezu kwenu njengogange se lu za kuwa, lu kukumele njengodonga olude, nokwapuka kwalo ku pela ngesikatyana.

14 A lwapule njengesitya sombumbi esapukileyo; a ngesabi, ku ngabe ku sa tolakala noezwana no lokutata umlilo eziko, no lokutata amanzi na sengodini.

15 Ngokuba u tyo uJehova uTixo, o ingewele ka Israeli, ni ya kusindiswa ngokupenduka nokupumula; ngokuntula na ngokwetemba ku ya kuba amandhla enu: Noko a ni vumanga.

16 Kodwa na ti, qa: ngokuba si ya kubaleka ngamahashi; ngenko loku no baleka; futi si ya kuhamba ngejubane; ngako bona aban ni landelayo ba ya kuba nejubaue.

17 Inkulungwane i ya kubalekela ukukuluma komunye nje; na sekukuzeni kwaba isihlanu ni ya kubaleka, ni ze ni be njengesibonakaliso ngapezu kwentaba na njengendwangu pezu kwentatyana.

18 Ngako uJehova u ya kuhlala, ukuze a be nomusa kinina: ngokuba uJehova u nguTixo wokwahlulela: ba busisiwe bonke abamindayo.

19 Ngokuba abantu ba ya kuhlala



eZioni eJerusalema: ka u sa yi kukala wena; u ya kuba nomusa omkulu kuwena nxa u kalayo; lapo e ku zwayo u ya kukupendula.

20 Noko uJehova e nika isinukwa sosisi! namanzi enhlupeko, noko abafundisi benu a ba sa i kutukuswa, kodwa amehlo emu a ya kuba bona abafundisi benu:

21 Nezindhlebe zenu zi ya kulizwa izwi ngasemva kwenu, li ti, nansi indhlela, hambani kuyona, lapo ni pendukela ngalapa na ngalapa.

22 Nonakalise futi ingubo yezitombe zenu ezibaziweyo zesiliva; nezivunulo zenu zezitombe zenu zegolide, ni zilahle njengengubo ebinwayo; ni ya kuti kuyona suka lapa.

23 A ni nikeke imvula yembeu yenu ni hlwanyele emhlabatini, nesinkwa senzozo yomhlaba, nawo u vunde u tele kakulu: na ngalolosuku izinkomo zenu zi ya kudhla emadhlelweni amakulu.

24 Nezinkabi nezimbongolo ezintya ezi lima umhlaba zi dhle ukudhla okumnandi, okweliweyo ngefosholo nangeqoma.

25 Ku be kona ngapezu kwentaba enkulu, na ngapezu kwentatyana enkulu imifula yamanzi ngosuku lokuhlaba okukulu, lapo ku dilika izindonga.

26 Nokukanya kwenyanga ku be nje ngelanga, nokukanya kwelanga kwandiswe ka kombisa, njengokukanya kwezinsuku ezi isikombisa, ngosuku lokubopa kuka Jehova umkati wabantu bake, e polisa nemidwa yezingozzi zabo.

27 Bheka, igama lika Jehova li puma kude, li tyisa ngolaka lwake nokutyisa ku sinde; izindebe zake zi gewele ngokutukutela, nolimi lwake lu njengomlilo oqedayo.

28 Nomoya wake, njengomfulana oweqayo, u ya kufika entanyeni, u nyakazise izizwe ngento yokuziqenya: ku be kona itomu ezihlatini zabantu, li bedukise bona.

29 Ni ya kuba nesihlabelelo, njengasebusuku lapo ku kulekwa ngako o ingewe; nenjabulo yenhliziyo, njengokulamhela komuntu entabeni ka Jehova e pete itilongo konamandhla ka Israeli.

30 uJehova enza ukuba izwi lake eli ingewe li zwakale, a veze unyazi engalwini yake, ngokutukutela kolaka lwake.

31 Ngokuba ngezwi lika Jehova o wa seAsiria a tyawe pansu yena o wa e tyaya ngenduku.

32 Na sezindaweni zounge lapo ku dhluhla kona induku ka Jehova eqinileyo, a ya kumtyaya ngayo, kwenanelwe ngo-

kutyaywa kwezingumbu namatilongo, alwe ngayo ngokuzamazamisa isandhla.

33 Ngokuba iTofeti li miswe kade yebo li miselwe inkosi, u lenze la lide likulu futi, inqwaba yalo i ngumlilo nezinkuni eziningi nomoya ka Jehova njengomfulana wesolufa u ya li vutisa.

### ISAHLUKO 31.

**W**O kubona a behlela Egipte, be funa ukusiza kona, bezenamisa emalahshini, betemba ezinqoleni, ngokuba zi ningi: nakwabanamashi, ngokuba be namandhla kakulu; be nga bheki ko ingewe ka Israeli, be nga m funi uJehova.

2 Kepa naye u hlakanipile, u ya kuleta ububi, a nga be sa wa buyisa namazwi ake: kodwa a vukele indhlu ya benza okubi, nabo aba ba sizayo bona abenza okubi.

3 Aba seEgipte ba ngabantu, a ba siye uTixo; namahashi abo a inyama, a siwo umoya. Lapo uJehova u ya kwelula isandhla sake, yena o sizayo u ya kuwa, naye o sizwayo a we pansu, ba pele bonke kanyekanye.

4 Ngokuba uJehova u tyilo loku kimina, njengebubesi elitya li bodhlela impango yalo, lapo abalusi abaningi be bizelwa ukulizingela, a li yi ku lesaba izwi labo, li zi hlupe ngenxa yomsindo wabo: ngaloko uJehova wamabandhla u ya kwelula ukulwela intaba iZioni, nentatyana ya kona.

5 Njengezinyoni zi ndiza, njalo uJehova wamabandhla u ya ku vikelwa iJerusalema: ku ti ukuba a li vikele u ya kulisiudisa a lengame a li londolozwe.

6 Pendukani kuyena o hlutyukwe kakulu abantwana baka Israeli.

7 Ngokuba ngalolosuku bonke abantu ba ya kuzilahla izitombe zabo zesiliva, nezitombe zegolide, e zenziwe izandhla zenu, ni zenzela isono.

8 Lapoke owa seAsiria u ya kuwa ngenkamba e nge yiyo e yesiqwaga; nenkamba e nge yiyo e yomuntu ompofu, i ya kumqeda: kodwa u ya kuyibalekela inkamba, nezinsizwa zake zi ya kujaba.

9 A welele engabeni yake ngenxa yokwesaba namakosi ake a sesabe isibonakaliso, u tyo uJehova, omililo wake u seZioni, neziko lake li seJerusalema.

### ISAHLUKO 32.

**B**HEKA inkosi i ya kubusa ngokuluhlulela. nga, namakosana a buse ngokwahlulela.

2 Umuntu a be indawo yokucatyela umoya, nendawo yokufihlela isivunguvungu: njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengesitunzi setye elikulu ezweni elikatazayo.

3 Namehlo abo ababonayo a nga fipali, nezindhlebe zabo abezwayo zi zwe.

4 Futi inhliziyi yo ipulukundhlu i ya kuqonda ukwazi, nolimi lonamalimi lu kulume kahle.

5 Ku nga tyiwo kumuntu o nge naluto ku tiwe isipani, noncityanayo ku tiwe u nobubele.

6 Ngokuba umuntu o nge waluto u ya kukuluma ubushinga, nenhliziyi yake yenze ububi, bokuzenzisa, nokutyi amanga ngoJehova, ukwenza u be ize umpefumlo wolambileyo, enze ukuba ku pele ukupuza kowonileyo.

7 Futi izikali zoncityanayo zimbi; wenza amacebo amabi ukubulala abampofu ngamazwi a ngamanga, noma e kuluma kahle odingayo.

8 Kodwa opanayo u veza ukupana: na ngokupana loko u ya kuma.

9 Vukani, nina sifazana esi hlezi kahle; yizwani izwi lami, nina zintombi ezi nga nakekeliyo: nikani indhlebe kuyo inkulumo yami.

10 Ni ya kuhlutywa izinsuku neminyaka eminingi, nina sifazana esi nga nakekeliyo: ku ya kuputa izifelo, ukuvuna ku nga fiki.

11 Tutumelani, nini sifazana esi hlezi kahle; ni hlupeke nina aba nga kataliyo; kumulani izingubo zenu ni beze, ni bince amasaka ezinkalweni.

12 Ba kalele izingono zamabele, namasimu amahle, nesivini esitelayo.

13 Ku mile ezweni labantu bami, ameva namagatya; yebo pezu kwezindhlu zonke zenjabulo emzini ojabulayo.

14 Ngokuba izindhlu nkulu zi ya kudelwa; iningi lomuzi li shiywe; izinqaba nezindonga zi be imihume njalo, injabulo yezimbongolo za sendhle, idhlelo lenihlambi.

15 Si ze si fikelwe umoya wa pezulu, nehlane li be insimu etelayo, nensimu etelayo i be ihlati.

16 Ukwahlulela ku hlale ehlane, nokulunga ku hlale ensimini etelayo.

17 Nomsebenzi wokulunga u be ukutula: nokugeina kokulunga ku be ukutula nokuqiniseka njalo.

18 Nabantu bani ba ya kuhlala endaweni yokutula, na sezindhlini eziqini-

leyo, na sezindaweni zokupumula ezitulileyo:

19 Lapo lehlisa isicoto pezu kwehlati; nomuzi u be pansi endaweni epansi.

20 Ba ya busiswa aba hlwanyela ngasemifuleni yonke, be lusela kona inkabi nembongolo.

### ISAHLUKO 33.

WO kuwena opangayo, u nga pangiwe wena: okohlisayo, be nga ku kohlisile wena, lapo u su gcinile ukupanga, u ya kupangwa nawe: na lapo u su gcinile ukukohlisa, ba ya kukukohlisa wena.

2 Jehova, yiba nomusa kitina: si ku hlalele wena; yiba ingalo yabo kusasa njalo, nomsindisi wetu esikatini senhlupeko.

3 Ekuzwakaleni komsindo, abantu ba baleka: na sekuvukeni kwako, izizwe za hlakazeka.

4 Nempango yako i ya kubutwa njengokubuta kwecimbi; nanjengokuhlalabela kwezinkumbi u ya kubahlalabela.

5 uJehova u pakeme: ngokuba u hlezi pezulu: u li gwalisile iZioni ngokwahlulela na ngokulunga.

6 Ukuhlakanipa nokwazi ku ya kubaba ukuqiniseka kwesikati sako, namandhla ensindiso: ukwesabeka kuka Jehova ku igugu lake.

7 Bheka, amaqawe abo a ya kukala ngasendhle: nezigijimi zokutula zi kale kakulu.

8 Imigwaqo yenile, a ku sa hambi muntu: u sa pulile isivumelwano, u i delele imizi ka katali muntu.

9 Umhlaba u ya kala, u dangele: iLebanoni li jabile, li gauliwe: iSharoni li njengehlane; neBashane neKarmeli li vutulukisa.

10 Manje ngi ya kuvuka, u tyo uJehova: manje ngo pakama: ngi zivuse.

11 Ni ya kukulelwa amakoba, ni zale izisinde: nomoya wenu, njengomlilo, u ni qede.

12 Nabantu ba be njengokutyiswa komcako: njengameva e nquyiwe, ba ya kutyiswa emlilweni.

13 Yizwani, nina eni kude, e ngi kwenzileyo mina; nani eni seduze, vumelanani ngamandhla ami.

14 Izoni eZioni zi yesaba; ukungesabi ku betusile abakohlisi. Ubani kitina o ya kuhlala kanye nomlilo oqedayo na? Ubani kitina o ya kuhlala ekutyisweni okungapeliyo na?

15 Yena o hamba ngokulunga, no kuluma kahle; no delela inzuzo yabangalungile, no nikina izandhla zake ekupateni umvuzo, no vimba izindhlebe zake ekuzweni ngegazi, no valayo amehlo ake ekuboneni okubi:

16 Yena u ya kuhlala pezulu, indawo yake e inqaba i ya kuba emagumbini amatye; a piwe isinkwa; namanzi ake a qiniseke.

17 Amehlo ako a ya kubona inkosi ebuhleni bayo; a ya kulibona izwe elidude kakulu.

18 Inhliziyo yako i ya kutyo ngokwesaba, Upi umlobi? Upi owamkelayo? Upi yena owa e bala izinqaba na?

19 A u i ku ba bona abantu abanonya, abantu abalulimi lu sangene nawe u nga lu qondi; aba namalimi, ukuze u nga bezwa.

20 Bheka iZioni, umuzi wobukosi bakiti; amehlo ako a ya kubona iJerusalemalema li indawo etulileyo, indhlu e nga yi ku wiswa pansi: ku nge be ku sa swa neyodwa insika yakona, nezintambo zakona zi nga gqatylwa nakanye.

21 Kodwa lapo uJehova o nomusa u ya kuba kitina; indawo yemifula ebanzi nemifulana, lapo ku nga i ku ngena izikebe, nomkumbi omkulu u nge i dhlu.

22 Ngokuba uJehova u ngumabi wetu, uJehova u ngumenzi wemiteto yetu, uJehova u inkosi yetu; u ya kusisindisa yena.

23 Izibopo zako zi xegisiwe; be zi nge i qinise kahle insika yazo, be zi nga i ku yeneka indwangu: lapoke impango enkulu etatiweyo i ya kwahlukaniswa: abaqugayo ba tate impango.

24 Owakileyo a nga tyo ukuti ngi ya gula: abantu aba hlala kona ba ya ku- yekelwa ebubini babo.

### ISHALUKO 34.

**S**ONDELANI, nina zizwe, ni lalele; S yizwani, nina bantu; ma u zwe nomhlaba, nako konke oku kuwo; nezwe, nako konke okulela kulo.

2 Ngokuba intukutelo ka Jehova i pezu kwezizwe zonke, nolaka lu pezu kwezimpi zazo: u zi citile impela, u zi niki- le ekubulaweni.

3 Nababuleweyo bazo ba ya kutyingwa, ukunuka ku ya kuvela ezidunjni zabo, nezintaba zi ya kuncibilikiswa ngegazi labo.

4 Nebandhla lonke lezulu li ya kupe-

la, nezulu li ya kusongwa njengenewadi esongiweyo; nebandhla lonke lalo li ya kuwa pansi njengeqabunga li vutuluka evinini na njengekiwane li wa emkiwaneni.

5 Ngokuba isinkemba sami si ya kuhlanzwa ezulwini: bheka, se si za kwehlale Edumea, pezu kwabantu e ngi ba qalekisileyo, sehlela ukwahlululela.

6 Isinkemba sika Jehova se si suti igazi, si nonile ngamanoni, na ngegazi lamaewane ne lezimbuzi, namanoni ezinso zezinqama; ngokuba uJehova u nokuhlabisa okukulu eBozra, nokubulala okukulu ezweni la eEdumea.

7 Obedjane ba ya kuwa nazo, kanye nezinkomo nezinkunzi; izwe labo li ya kusuta igazi, notuli lwabo lu ya kuona ngamanoni.

8 Ngokuba lu usuku lokupindisela ku- ka Jehova, ku umnyaka wokubuyisela ngokupikisana neZioni.

9 Imifula ya kona i ya kupenduka i be itye notuli lwalo lu ya kuba isolufa, nezwe la kona li be itye elivutayo.

10 A li yi kucinywa busuku naminini; ukutunqa kwalo ku ya kukupuka njalo ku ze ku be pakade: isizukulwane ngesizukulwane li citekile; a ku yi kudhlula kulo muntu, na nini na nini.

11 Kepa li ya kusala li be e lekomoranti ne la o nondwebu; ku hlale kulo isikova negwababa: u ya kwelula pezu kwalo intambo yokucita, neplumeti len- ceitakalo.

12 Ba ya kubiza izikulu zalo zonke zi ze ukubusa, kepa a si yi kubako, namakosana alo onke a ya kuba ize.

13 Ameva a ya kuhluma ezindhlini ezinkulu zalo, imbati nobobo ezinqabeni zalo, li ya kuba indawo yokuhlala amadrako, nendhlu yezikova.

14 Izilwane zehlane zi ya kuhlangu- na nezilwane zesigqingi kona, impisi i ya kukalolana nomngane wayo; isikova esikalayo si ya kuhlala kona, si zizuzele indawo yokupumula.

15 Isikova esikulu si ya kwaka indhlu yaso kona, si zalele, si camisele, si fulele ngomtunzi waso: a ya kubutana kona amanqe ku be ilelo nomngane walo.

16 Funani enwadini ka Jehova, ni funde: a ku ko nakunye kwa loku oku ya kupelela pansi, a ku ko oku ya ku- swela umngane wako: ngokuba umlomo wake u tyilo, nomoya wake u ku hlan- ganisile ndawonye.

17 Yena wa kwabela ngenkato, isa-

ndhla sake sa kwahlukanisela ngentambo: li ya kuba elako ku ze ku be pakade, ku ya kuhlala kulo izizukulwane ngezizukulwane.

## ISAHLUKO 35.

**K**U ya kutokoza ngaloku ihlane ndawo e nge nanto; indawo e uqwata i ya kutokoza, i kahlele nje-ngorosi.

2 Ku ya kukahlela kakulu, ku tokoze ngokutokoza na ngokuhuba: ku ya kupiwa udumo lweLebanoni, nobuhle beKarmeli no beSharoni, ku bone ubukosi buka Jehova, nobuhle buka Tixo wetu.

3 Qinisani izandhla ezi nge namandhla, ni mise amadolo a butakataka.

4 Yityoni kubo aba nenhliziyo etumelweyo, Qinisani, ni ngesabi: bhekani, uTixo wenu u ya kuza ngokupindisela, u ze uTixo ngokubuyisela: u ya kuza a ni sindise.

5 Kona amehlo ezimpumpute a ya kuvulwa, nezindhlebe zezitulu zi vulwe.

6 Kona unyonga lu ya kutyekula ngenyamazane, nolimi lwesimungulu lu hlabelela: ngokuba amanzi a ya kuboboka ehlane, nemifula endaweni yogwadule.

7 Umhlabati otyileyo u ya kuba icibi, nomhlabati owomileyo u yakuba imitombo yamanzi: endaweni a lala kuyo amadrako ku ya kuba kona umhlanga nekwani.

8 Ku ya kuba kona umendo neudhlela e ya kutiwa indhlela yobungewele: abangcolileyo a ba yi kuhamba ngayo, kepa i ya kuba indhlela ya labo: abahamba-yo, noma ba iziula, ba nge duki kuyo.

9 A li yi ku bako ibubesi, nesilwane esidhlayo a si yi kuhamba ngayo, si nge bonwe kuyo; kepa abahlangiweyo ba ya kuhamba kona.

10 Abahlaulelweyo baka Jehova ba ya kubuya, be ze eZioni benze amahubo be qeliswe ngokutokoza okungunapakade: ba ya kuzuzwa ukutokoza nokujabula, ku baleke usizi nokudabuka.

## ISAHLUKO 36.

**K**WA ti ngomnyaka weshumi nane uHezekia e inkosi, uSenakeribe inkosi ya seAsiria we za wa hlasela imizi yonke evikelweyo ya kwaJuda wa i tata.

2 Inkosi ya seAsiria ya m tuma uRabsbaka e suka eLakishi e ya eJerusale-

ma kuyo inkosi uHezekia e hamba nempini enkulu. Wa za wema ngasenkaseni yamanzi e senhla ngasendhleleni yezwe lomhlanzi.

3 Wa puma wa ya kuye uEliakimu, indodana ka Hilikia, umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, noJoabi, indodana ka Asafi, induna yezindaba.

4 uRabsbaka wa ti kubo, a no tyo kuHezekia ukuti, Inkosi ya seAsiria, inkosi enkulu, i ti, Loku kutemba o temba kuko ukutemba kuni na?

5 U ti, u namasu namandhla ukulwa (amazwi omlomo nje:) u temba kubani, ukuba u hlubuke kimi na?

6 Bhekake, u temba ozimeni lohlanga lolu olufecekileyo, iEgipite; uma umuntu e mi ngalo, lu ya ku ngena esandhleni, lu si gwaze: u njalo uFaro inkosi ya seEgipite kubo bonke aba temba kuye.

7 Kepa uma u ti kimi ukuti, Si yetemba kuJehova uTixo wetu: a siye ini, o ku suswe uHezekia izindawo zake, ezipakamileyo namalati ake, wa tyo kwaJuda na kwaJerusalema ukuti, Ni ya ku yenza inkonzo pambi kwelati leli?

8 Manje, ngi ya kucela, ngiti, vuma enkosini yami inkosi ya seAsiria, ngi ya kunika amahashi a izinkulungwane ezimbili, uma wena u nga veza abantu bokukwela kuwo.

9 Ku ngema kanjani ukuba u fulatela emva ubuso benduna inye encinyane kuzo zonke izinceku zenkosi yami, u tembela izinqola nabamahashi Egipite?

10 Ngi zile ngapandhle ku kaJehova ini ukuhlasela lelizwe nokuliqeda na? uJehova wa tyo kimi, Kupuka u hlasela lelizwe, u li bubise.

11 Kona uEliakimu noShebna noJoabi ba ti kuRabsheka, Si ya cela ukuba u kulume kitina ngolimi lwa seAsiria; ngokuba si ya lwazi: u nga kulumi kiti ngolimi lwamaJuda, ezindhlebeni zabantu aba sogangeni.

12 Kepa uRabsheka wa ti Inkosi yami i ngi tumele enkosini yako na kuwe ini ukuba ngi kuluma lawamazwi na? A sibo lababantu abahlezi ogangeni, e ngi tumela bona ukuba ba dhle indhle yabo, ba puze umtyobingo wabo ini na?

13 Kona uRabsheka wema, wa meza ngezwi elikulu ngolimi lwamaJuda, wa ti, Yizwanini amazwi enkosi enkulu, inkosi ya seAsiria.

14 I tyo inkosi ukuti, Ma ni nga kohliswa uHezekia : ngokuba a ka yi kuba namandhla okunisindisa.

15 Futi uHezekia ma ka nga ni tembisi ngoJehova, ngokuti, uJehova u ya kusisindisa impela, lomuzi a u so ze u nikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

16 Ni nga m laleli uHezekia : ngokuba inkosi ya seAsiria i ti, Vumelanani nani ngomnikelo, ni pume ni ze kimi : ni dhle nonke ku be i lowo emvinini wake, na semkiwaneni wake, ni puze nonke emanzini etanki lake ; .

17 Ngi ze ngi ni tabate ngi ni yise ezweni eli njengelenu, izwe lamabele newaini, izwe lesinkwa nezivini.

18 Xwayani ukuba uHezekia a nga ni ungi, ngokuti, uJehova u ya kusisindisa. Imbala u kona noyedwa kotixo bezizwe o sindisile izwe lake esandhleni senkosi ya seAsiria na?

19 Ba pi otixo ba seHamati naba seArpade na? Ba pi otixo ba seSefarvami na? Imbala ba li sindisa iSamaria esandhleni sami na?

20 Pakati kotixo bouke, ba kona obani aba sindisile izwe labo esandhleni sami, ukuba uJehova u ya kusindisa iJerusalema esandhleni sami na?

21 Ba tula, a ba m pendulanga ngazwi; ngokuba izwi lenkosi la li ngokuti, ni nga m penduli.

22 Kona uEliakimu, indodana ka Hilkia, owa e umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, noJoa, indodana ka Asafu, induna yezindaba, beza kuHezekia be nezingubo zabo zi dabukile, ba m tye-la amazwi aka Rabsheka.

### ISAHLUKO 37.

**K**WA ti uHezekia inkosi, e se zwile loku, wa dabula izingubo zake, wa zembesa indwangu yamasaka, wa ngena endhlini ka Jehova.

2 Wa tuma uEliakimu, owa e umbonisi wendhlu, noShebna umlobi, namalunga kubapristi ba zembesa indwangu yamasaka, ba ya kufsayu umprofeti indodana ka Amozi.

3 Ba ti kuye, U tyo loku uHezekia ukuti, Namhla usuku lokuhlupeka, nolokusola, nolokweisa; ngokuba se si fikile isikati sokubeleta izingane, kepa a wako amandhla okubeleta.

4 Mhlaambe uJehova uTixo wako u ya kuzwa amazwi aka Rabsheka o tunywe inkosi ya seAsiria inkosi yake

ukuba a jivaze uTixo opilayo, a wa sole amazwi uJehova uTixo wako a we zwileyo: ngako pakamisa ukukuleka ngenzali eseleyo.

5 Izinceku zika Hezekia inkosi zenza njalo kuIsaya.

6 uIsaya wa ti kuzo, Ni ya kutyo enkosini yenu ukuti, U tyo uJehova loku ukuti, U nga wesabi amazwi owezwileyo, ezinceku zenkosi ya seAsiria ezi ngi gangele ngawo.

7 Bhekake, ngi ya kutuma umoya kuyo, i ya kuzwa udumo, i buyele ezweni layo; ngi ya kuyenza i we ngenkamba ezweni layo.

8 uRabsheka wa buya njalo, wa i fumana inkosi ya seAsiria i lwa eLibna: ngokuba u be zwile ukuba i si mukile eLakishi.

9 I bi zwile ukuba ku kulunywa ngoTirhaka inkosi ya seEtiopia ngokuti, u yeza ukulwa nayo. Ngokuzwa kwake loku, wa tuma izingijimi kuHezekia, e ti,

10 Ni ya kukuluma loku kuHezekia inkosi ya seJuda, ukuti, Ma u nga kohliswa uTixo wako, o metembayo ngokuti, iJerusalema a li yi kunikelwa esandhleni senkosi ya seAsiria.

11 Bheka, u zwile okwenziwe amakosi a seAsiria kuwo onke amazwe ngokuwabubisa nya; u ya kusindiswa wena na?

12 Otixo bezizwe ba ba sindisa ini laba. aba bujiswa okoko bami, ngi tyo uGozana, noHaranu, noRezefi, naba seEdene aba be hlala eTelasa na?

13 Ipi inkosi ya seHamati, nenkosi ya seArpade, nenkosi yomuzi o seSefarvami, noHena noIva na?

14 uHezekia wa yamkela lenewadi esandhleni sezigijimi, wa i funda: uHezekia wa kupukela endhlini ka Jehova, wa yambula pambi kuka Jehova.

15 uHezekia wa kuleka kuJehova, e ti,

16 Jehova wamabandhla, Tixo ka Israeli, wena o hlala emkatini wamakerubi, u wena o nguTixo, wena wedwa, wemibuso yonke emhlabeni: wenza izulu nomhlaba.

17 Nga u beka indhlebe yako Jehova, u zwe; u vule amehlo ako, Jehova, u bone: u zwe onke amazwi aka Senakeribe, o wa tumile ukujivaza uTixo opilayo.

18 Ngeqiniso, Jehova, amakosi a seAsiria a citile izizwe zonke, namazwe azo.

19 A ponsile otixo bazo emlilweni: ngokuba be nge sibo otixo, ba be umsenbenzi wezandhla zabantu, imiti namatye: ngaloko a ba citile.

20 Ngako Jehova, Tixo wetu, ma u si sindisa kaloku esandhlani sake, ukuba yonke imibuso yomhlaba yazi ukuba wena u nguJehova uwe wedwa.

21 Kona uIsaya indodana ka Amozi wa tuma kuHezekia ngokuti, U tyo uJehova uTixo wabaIsraeli u ti, Njengaloku u kuleke kimina ngoSenakeribe inkosi ya seAsiria:

22 Nanti izwi uJehova u kulumile ngaye, lokuti Intombi, indodakazi ya seZioni, i ku delile, i ku hleke usulu; indodakazi ya seJerusalema ya nqakuza ikanda ngakuwe.

23 U ngubani o m jivazileyo o gange ngaye na? U ngubani o pakamisile izwi lako ngaye, u bhakesise amehlo pezulu na? Ku ngo ingewele ka Israeli.

24 U jivazile uJehova ngezinceku zakho, wa tyo ukuti, Ngobuningi bezinqola zami ngi fikile ekupakameni kwezintaba, emacaleni eLebanoni; ngi ya kugaula imisedare yalo emide, nemiberoshi yalo emihle: ngi ya kungena eku-pakameni komkaulo walo, na sehlatini leKarmeli lalo.

25 Ngi mbile, ngi puzile amanzi; ngonyawo lwami ngomisile imifula yonke ezindawo ezihaqiweyo.

26 A u zwanga ini kade, ukuba imina engi kwenzileyo; ukuba nga ku misa ekadeni? kaloku ngi kwenzile, ukuba wena u ya kucita imizi e izinqaba i ze i dilike.

27 Ngako aba kuyo ba be namandhla a incozana, ba saba ba tutumele: ba be njengotyani ba sendhle, njengesimilo esiluhlaza, njengotyani obu pezu kwendhlu, njengamabele atyisiweyo e nga ka kuli.

28 Kepa ngi yazi ukuhlala kwako, nokupuma, nokungena kwako, kanye nokuyekela kwako nga kimi.

29 I loko ukungivukela kwako, nokufuta kwako, ku zile ezindhlebeni zami, ngako ngi ya kufaka insimbi ekaleni lako, nesifonya ezindhlebeni zako, ngi ya kukubuyisela emva ngendhlela o bu vele ngayo.

30 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe, Nonyaka ni ya kudhla okuzimilelayo; nonyaka ozayo ni dhle okuhlumayo kuloko: ngonyaka wesitatu hlwayelani, ni vume, ni tyale izivini, ni dhle izitelo zazo.

31 Nensali esindileyo yendhlu ya kwa-Juda i ya kubuya i gxile pansi impande, i tela izitelo pezulu.

32 Ngokuba i ya kuvela eJerusalema insali, nabasindileyo entabeni eZioni: ukufudumala kuka Jehova wamabandhla ku ya kwenza loko.

33 Ngako, u tyo uJehova ngayo inkosi ya seAsiria, ukuti A i yi kuza emzini lo, iponse umcibityelo kona, i ngeze kona i pete izihlangu, i nga lwenzi utango ngakuwo.

34 Ngendhlela e bi ze ngayo, i ya kubuya i muke ngayo, i nga ngeni emzini lo, u tyo uJehova.

35 Ngokuba ngi ya kuvikela lomuzi ngi ya kuwusindisa ngenxa yegama lami, na ngenxa yenceku yami uDavida.

36 Kona ingelosi ka Jehova ya puma, ya tyaya ekamu lamaSiria izinkulungwane ezi ikulu namashumi ashiyagalombili nauhlanu: kwa ti lapo be vuka kusasa, nampa, ba izidumbu bonke.

37 Njalo uSenakeribe inkosi ya seAsiria we muka, wa buyela emva, wa hlala eNineva.

38 Kwa ti, e sa kuleka endhlini ka Nisroke, isitixo sake, uAdrameleka noShareze amadodana ake ba m tyaya ngenkamba; ba balekela ezweni la se-Armenia: uEsarhadona indodana yake ya busa endaweni yake.

### ISAHLUKO 38.

**N**GALEZOZINSUKU uHezekia wa e-gula e pansi kokufa. Umprofeti uIsaya indodana ka Amozi weza kuye, wa kuluma wa ti kuye, uJehova u tyo loku ukuti, Yalela indhlu yako: ngokuba u za kufa, ka u yi kusinda.

2 Kona uHezekia wa pendulela ubuso odongeni, wa kuleka kuJehova.

3 E ti, O Jehova, ngi ya kuncenga, ma u kumbule, kaloku, ukuhamba kwamimambi kwako ukuba kwa ku ngeqiniso na ngenhliziyo epeleleyo, ngenze okulungileyo emehlweni ako. uHezekia wa kala nokukala.

4 Kona izwi lika Jehova la fika ku-Isaya, li ti,

5 Hamba, u tyo kuHezekia ukuti, uJehova, uTixo ka Davida uyihlo, u ti, Ngi zwile ukukuleka kwako, ngi bonile izinyembezi zako; bheka, ngi za kwenezela ezinsukwini zako iminyaka e ishumi nesihlanu.

6 Ngi ya kusindisa wena kanye na

lomuzi esandhleni senkosi ya seAsiria: ngi ya kuvikela lomuzi.

7 Loku ku ya kuba isibonakaliso kwe esi vela kuJehova, sokuba uJehova u ya kwenza loku a ku tyiloyo.

8 Bheka, ngi ya kubuyisela emva isitunzi, e se si dhlulile enwadini yokulinganisa ilanga yika Ahazi, ngezahluke ezi ishumi. Njalo ilanga la buyela ngezahluke ezi ishumi, ilezozahluke e se li dhlulile ngazo.

9 Ukuloba kuka Hezekia inkosi ya kwaJuda, lapo e be gulile, wa sinda ekuguleni kwake:

10 Nga ti ekunqunyweni kwezinsuku zami ukuti, ngi ya kuya emasangweni etuna: ngamukiwe insali yeminyaka yami.

11 Nga ti, a ngi yi kubona uJehova, yena uJehova, ezweni labahambayo: a ngi yi kubona futi umuntu ebantwini abake emhlabeni.

12 Ukuhlala kwami ku dhlulile, ku susiwe kimi njengetente lomalusi: Ngi nqumile ukupila kwami njengowalukayo: u ya ku ngi nquma ngokugula okudhlayo: ku tate ekuseni ku ze kuhlwe u ya kungiqeda.

13 Kwa za kwa sa, ngi ti, u ya wapula amatambo ami, njengebubesi: ku tate ekuseni ku ze ku hlwe u ya kungiqeda.

14 Be ngi kala, njengonowamba nekwenjane: be ngi lila njengejuba: amehlo ami a pela mandhla ngokubuka pezulu: O Jehova, ngi cindezelwe; ma u ngi size.

15 Ngi nga tini na? yena u kulumile kimi, uye u kwenzile: Ngi ya kuhanba kahle yonke iminyaka yami ngobuhlungu behliziyo yami.

16 O Jehova, ukupila ku ngaloku, kuko konke loku ku kona ukupila kwami: njaloke u ya ku ngi sindisa, u ngi pilise.

17 Bheka endaweni yokutula ngi be ngi nobuhlungu obukulu: kepa wena ngokuwutanda umpefumlo wami u wu kipile egodini lokububa: ngokuba u lahlile zonke izono zami emva kwako.

18 Ngokuba ituna li nge ze la ku bonga, nokufa ku nge ku dumise: abatyona egodini ba nge tembe eqiniseni lako.

19 O kona, o kona uyena o ya kuku-bonga, njengaloku ngenzayo namhla: uyise u ya kubazisa abantu bake iqiniso lako.

20 uJehova wa e lungele ukungisindisa: ngaloko si ya kuhlabelela amagama ami ngezingubu ezi nezintambo endhlini ka Jehova zonke izinsuku zokubamba kwami.

21 Ngokuba uIsaya u be tyilo, ma ba tabate amakiwane, ba wa beka etumbeni; kona u ya kusinda.

22 uHezekia wa tyo futi, e ti, Isipi isibonakaliso sokuba ngi ya ku kupuka ngi ye endhlini ka Jehova na?

#### ISIAHLUKO 39.

**N**GALESOSIKATI uMerodakabala-dane indodana ka Baladane, inkosi ya seBabulona, wa tuma izinwadi nesipo kuHezekia: ngokuba e zwile ukuba u be e gula, wa sinda.

2 uHezekia wa tokoza ngazo, wa ba bonisa indhlu yamagugu ake, isiliva, negolide, nezixuvo, namafuta a nenani, nendhlu yonke yezikali, nako konke okufunyaniswa emagugwini ake: kwa ku ngeko into endhlini yake, na sembusweni wake wonke, uHezekia a nga ba bonisanga.

3 Kona uIsaya umprofeti we za ku-Hezekia inkosi, wa ti kuye, Lababantu ba be tini na? Ba vela ngapi ukuze be ze kuwe na? Wa ti uHezekia, Ba vela ezweni eli kude, kona le eBabulona, be ze kimi.

4 Anduba a ti, Ba boneni endhlini yako na? uHezekia wa pendula wa ti, Ba bonile konke oku sendhlini yami: a ku konto emagugwini ami e ngi nga ba bonisanga yona.

5 Kona uIsaya wa ti kuHezekia, Yizwa izwi lika Jehova wamabandhla.

6 Bheka lu yeza usuku, lapo konke oku sendhlini yako, nako oku godhliweyo oyihlo ku ze ku be namhla, ku ya ku yiswa eBabulona: ku nge sale luto, ku tyo uJehova.

7 Amadodana ako a ya kupuma kuwe, o ya kuwazala, ba ya kuwatata: a ya kuba izinceku eziteniweyo esigodhlweni senkosi ya seBabulona.

8 uHezekia wa se e ti kuIsaya, Li lungile izwi lika Jehova o li tyiloyo. Wa tyo futi nokuti, Ku ya kuba kona ukutula neqiniso ngesikati sami.

#### ISIAHLUKO 40.

**D**UDUZANI, ni duduze abantu bami, u tyo uTixo wenu.

2 Ma ni kulume kahle kulo iJerusalem, ni memeze kulo ni ti, ukulwa

kwalo ku fezekile, li tetelelwe ngokona kwalo: ngokuba lamkela esandhleni si ka Jehova ku ze ku be kabili ngezono zalo zonke.

3 Izwi lomemezayo ehlane lokuti, Lungisani indhlela ka Jehova, ni menzele uTixo wetu ehlane umendo u qonde.

4 Izigodi zonke zi ya kugewaliswa, izintaba zonke nezinkalo zi ya ku dilizwa: izinsongesongwe zi ya kulungiswa ku qonde ntse, nemigoxigoxi i ya kulungiswa i be itafa nje.

5 Ubukosi buka Jehova bu ya kubonakala, bonke abantu ba ya kubona naye: ngokuba umlomo ka Jehova u tyilo.

6 Izwi la ti, Memeza. Wa ti, Ngi ya kumemeza ngokutini na? Inyama yonke, i utyani, ubuhle bayo bonke bu njengembali ya sendhle.

7 Utyani bu ya buna, imbali i vutuluke: ngokuba umoya ka Jehova u ya futela pezu kwayo: impela abantu ba utyani.

8 Utyani bu ya buna, imbali i ya vutuluka: kepa izwi lika Tixo wetu li ya kuma pakade.

9 Wena o leta izindaba ezinhle eZioni, kupukela entabeni ende: Wena o leta izindaba ezinhle eJerusalema, pakamisa izwi lako ngamandhla: u li pakamise u ngesabi; yityo kuyo imizi ya kwaJuda ukuti, Bhekani uTixo wenu.

10 Bhekani, uJehova uTixo u yeza ngamandhla, u ya kubusa ngengalo yake: bhekani umvuzo wake u naye, umvuzo womsebenzi wake.

11 U ya kwalusa umhlambi wake njengomalusi: a bute amazinyane ngengalo yake, a wa gone esifubeni sake, a hole kahle ezanyisayo.

12 Ubani o linganisa amanzi ngentende yesandhla sake, wa linganisa izulu ngeminwe, wa hlanganisa utuli lomhlaba esityeni, wa linganisa izintaba ngezinkalo namaduli ngezilinganiso?

13 Ubani o qondisa umoya kaJehova, nokuba a be umpakati wake wa m fundisa na?

14 Wa ceba nobani, ubani owa m zwisisa, wa m fundisa endhleleni yokwahlulela, wa m fundisa ukwazi, wa m bonisa ukuqonda na?

15 Bheka, izizwe zi njengetonsi lesitya, ku tiwa zi ngangotuli olucinyane olu sesilinganisweni; bheka, u ya tabata izigqingi njengento encinyane.

16 iLebanoni a lanele ukubasa, nezilwane zalo a zanele ukuba umnikelo ngomlilo.

17 Zonke izizwe zi njengokungeluto pambi kwake; u ti kuzo zincinyane ku noku ngeluto, zi ize nje.

18 Ni ya kumfanisa uTixo nobani na? Ni ya kumlinganisa namupi umfanekiso na?

19 Inyanga i yenza isitombe esitotyiyeyo ngokucibilikisa, inyanga yegolide i namatelisa pezu kwaso igolide, yenze amaketanga esiliva.

20 Yena ompofu kangaka ukuba e nge nammikelo u ya keta umoti ongaboliyo; a fune inyanga ehlanganipileyo ukuba yenze isitombe esibaziweyo, esi ya kuqina njalo.

21 A nazanga ini? a nizwanga ini na? a ni tyelwanga ini na sekuqaleni? a ni zwi-sanga se loku kwa sekelwa umhlaba ini na?

22 Ku nguye o hlezi pezu kwesizungelezelo somhlaba, abaki kuwo ba njengezintete; o wambula izulu njengendwangu, e lefula njengetente ukuba ku hlawe kulo.

23 O wenza amakosi a be into e nge yaluto; nabahluleli bomhlaba ba be ize.

24 Yebo, a ba yi kutyalwa: yebo, a ba yi kuhlwanyelwa: yebo, inzalo yabo a i yi kutola impande emhlabeni: u ya kufutela pezu kwabo, ba ya kubuna, nesivunguvungu si ya ku ba pepula njengeminyani.

25 Ni ya kungifanisa kambe nobani na? Ngi ya kulingana nobani na? u tyo yena o ingewele.

26 Pakamisani amehlo enu pezulu ni bheke o wenzu lezizinto zonke, o kipa ibandhla lazo: ngokubala u ya biza zonke ngamabizo ngobukulu bamandhla ake, ngokuba u qata ngamandhla: a yi silali neyodwa.

27 U tyo ngani wena, Jakobe, wena, Israeli, u kulumelani ukuti, Indhlela yami i sitekile kuJehova, icala lami li dhlulile kuTixo wami?

28 A wa zanga ini? a u zwanga ini, ukuba uTixo opakade, uJehova, umenzi wemikaulo yomhlaba, ka pelamandhla? ka katali na? a ku penyeke ukuqonda kwake.

29 Abapelamandhla u ba pa wona; u yenezela amandhla kubo aba nge nawo.

30 Izinsizwa zi ya kupelamandhla zi katale, nabatya ba we nya:

31 Kepa abametembayo uJehova ba ya



kutola amanye amandhla; ba kupuke ngamapiko njengokozi; ba ya kugijima, be nga katali; ba hambe, be nga pelamandhla.

## ISAHLUKO 41.

**T**ULANI pambi kwami, nina ziqingqi; abantu ba zusa amandhla amanye: ma ba sondele; ba kulume: ma si sonde-lane ekwahlululeni.

2 Ubani owa vusa olungileyo empumalanga, wa m biza e ze ngasonyaweni lwake, wa m nika izizwe pambi kwake, wa m misa e busa pezu kwamakosi? wa ba nikela esinkembeni sake ba njengotuli nje, na njengeminyani e petyulwa umoya emcibityelweni wake.

3 Wa ba xotya, wa dhlula kahle; gendhlela ezi nga bonanga zi hamba ngayo izinyawo zake.

4 Ubani o wenzileyo, owa biza na sekuqaleni izizukulwane na? Imina Jehova o ngowokuqala, nowokupela; ngi nguye.

5 Iziqingqi za kubona, zesaba; imikalo yezwe yesaba, ya sondela, ya fika.

6 Ba sizana bonke abakeleneyo; kwa ba ilowo wa ti kumfo wabo, Yimi isibindi.

7 Njalo umbazi wa qinisa inyanga yegolide, nowa kanda ngesando owa tyaya itye lokukandela, e ti, Se ku lungele ukunamteliswa: wa ku qinisa ngezinkonkwane, ukuba ku nga zamazami.

8 Kepa wena, Israeli, u inceku yami; uJakobe e ngi m ketileyo, inzalo ka Abahama isihlobo sami.

9 Wena engi ku tatileyo emikaulweni yezwe, nga ku biza ezikulwini za kona, nga tyo kuwe, U inceku yami: Ngi ku ketile, a nga ku lahla.

10 U ngesabi; ngokuba ngi nawe: U nga bi naluvale; ngokuba ngi nguTixo wako: ngi ya kuqinisa; yebo, ngi ya kusiza; yebo, ngi ya kusekela ngesokunene sokulunga kwami.

11 Bheka, bonke aba be ku tukutelela ba ya kuba namahloni ba jabe: ba ya kuba njengeze: abalwa nawe ba ya kububa.

12 U ya kubafuna, u nga ba fumani, bona abalwe nawe: labo abalwe nawe ba ya kuba njengeze, na njengento e ngeyaluto.

13 Ngokuba mina Jehova uTixo wako ngi ya kusibamba isandhla sako sokunene, ngi tyo kuwe, U ngesabi: ngi ya kukusiza.

14 U ngesabi, wena msundu Jakobe, nina bantu kwa Israeli; ngi ya kukusiza, u tyo uJehova, nomhlengi wako, o ingeweke ka Israeli.

15 Bheka, ngi ya kukwenzela isibulo esitya esibukali esi namazinyo; u ya kubula izintaba, u zi bete zi ze zi be zicinyane, u yenze imimaugo i be amakoba.

16 U ya kuyela, i ya kumuka nomoya, i citwe isivunguvungu; wena u ya kutokozana ngoJehova, u be nodumo ngayo e ingeweke ka Israeli.

17 Uma abampofu nabadingayo be funa amanzi, e ngeko, nolimi lwabo lu pele ngokoma, mina uJehova ngi ya kubezwa, mina uTixo wabaIsraeli a ngi yi kuba shiya.

18 Ngi ya kuveza imifula ezindaweni ezi pakamileyo, nemitombo ezihlanjeni: ngi ya kwenza ihlane li be icibi, nomhlabati o womileyo u be imitombo yamanzi.

19 Ngi ya kutyala ehlane umsedare, nomshita, nomurtle, nomgwenya; ngi tyale obala umuti ufire, umtidhari nombershe, nomkoba.

20 Ukuze ba bone, bazi, ba qonde, be zwa kanye, ukuba isandhla sika Jehova si kwenzile loku, no ingeweke ka Israeli wa ku veza.

21 Sondezani indaba yenu, u tyo uJehova; ni laude oku namandhla kwenu; i tyo inkosi ka Jakobe.

22 Wa ba veze, ba si bonisa oku ya kuvela: ba bonise oku dhlulileyo, uma kwa ku ini ukuba, si ku einge, sazi ukupela kwako; noma ba si tyela okuzayo.

23 Yityoni okuzayo esikatini esipambili, ukuba si nazi ukuba ni ngotixo: yebo, ma nenze okulungileyo, noma okubi, ukuba si nga ku bheka si ku bone kanye.

24 Bhekani ni ncinyane, ku noku nge luto, nomsebenzi wenu mubi ku nowenyoka: u inzondeko o ni ketileyo.

25 U kona engi m vezile enyakato, u ya kuza: empumalanga u ya kubiza egameni lami: u ya kwehlela pezu kwamakosi njenga pezu kodaka, njengombumbi u xova ibumba.

26 Ubani owa tyoyo ekuqaleni, ukuba sa kwazi na? na sesikatini esidhlulileyo, ukuba si nga ti, U lungile na? a muko okubonisileyo, yebo, no yedwa okutyi-loyo, a muko ozwayo amazwi enu.

27 Owokuqala u ya kutyo eZioni, Bhekanini ni ba bheke: ngi ku nika

iJerusalema o za kumemeza izindaba ezinhle.

28 Ngokuba nga bheka, kwa ku ngeko ununtu; pakati kwabo, wa ye ngeko no wompakati, o nga ngi pendula ngezwi, uxa ngi ba buzayo.

29 Bhekali, ba ize bonke; nemisebenzi yabo i into i nge yaluto: nezitombe zabo ezibunjiwe ngokuncibilikisa zi umoya nesinyakanyaka.

ISAHLUKO 42.

**B**HEKA ineeuku yami, engi yi sekelayo; oketiweyo wami, otokoza ngaye umpefumlo wami; ngi telile umoya wami pezu kwake u ya ku vezela izizwe ukwahlulela.

2 A ka yi kumemeza, a ka yi ku pakamisa izwi lake, nokulizwakalisa endheleni.

3 Uhlanga olufeekeleyo a ka yi ku lwapula, nempokwe yesibani e tunqayo a ka yi ku i cima: u ya kuveza ukwahlulela ngeqiniso.

4 A ka yi ku dangala a pelamandhla, ku ze a mise ukwahlulela emhlabeni: neziqingi zi ya kuhlalela umteto wake.

5 U tyo njalo uTixo uJehova, yena owa dabula izulu, wa lendhlala; yena oweneka umhlaba, na loke okuvela kowo; yena o nika ukupefumla kubantu aba pezu kwawo, nomoya kubo aba hamba pezu kwawo.

6 Mina Jehova ngi ku bizile ngokulunga, ngi ya kubamba isandhla sako, ngi ku geine, ngi ku pe u be uvumelwano kubantu, u be ukukanya kwezizwe.

7 U vule amehlo ezimpumpute, u kipe izibotywa etilongweni, nabahlezi ebunyamani endhlini yezibotywa.

8 Ngi nguJehova: i lelo igama lami: a ngi yi kunika ubukosi bami komunye, nokubongeka kwami ezitombeni ezibaziweyo.

9 Bheka izinto zokuqala se zi bonakele, se ngi shumayeza izinto ezintya: zi nga ka veli ngi ni tyela zona.

10 Hubelani uJehova ihubo elitya, nokubongeka kwake ku ze ku be emkaulweni wonhlaba, nina enchlela elwandhle, nako konke oku kulo; neziqingi nabake kuzo.

11 Ihlane nemizi yakona ma i pakamise izwi kanye, nemizi abahlala kuyo aba kwaKedari: abake eSela ba hlabelele, ba memeza esicongweni sezintaba.

12 Ma ba dumise uJehova, ba tyo ukukulu bake eziqingini.

13 uJehova u ya kupuma njengonamandhla, a vuse unona njengomuntu wokulwa: u ya kumemeza, a bangalase; a zahlule izita kuye.

14 Se ku isikati eside ngi tulile: ngati nya, ngi zibambile: kaloku ngi ya kukalisa komfazi o beletayo; ngi ya kububisa ngi qede kanye.

15 Ngi ya kuqwatisa izintaba nezinkalo, ngi tyise izimilo zazo zonke; ngi ya kupendula imifula i be iziqingini, ngenze amacibi ukuba a tye.

16 Ngi ya kuhambisa izimpumpute ngendhlela ezingayaziyo; ngi zi hole ngezindhlela ezi nga zazanga: ngenze ubumnyama bu be ukukanya pambi kwazo, nokunsongensonge ku qonde nte. Ngi ya kuzenzela kona loku, a ngi yi ku zi shiya.

17 Ba ya ku buyiselwa emva, ba jabe kakulu, aba temba izitombi ezibaziweyo, aba tyo ezitombeni ezincibilikisiweyo ukuti, Ni ngotixo betu.

18 Yizwani, nina zitulu; nani zimpumpute, bhekali, ukuze ni bone.

19 Ubani o impumpute, a si yo ineeuku yami na? Ubani o isitulu, njengesitunywa sami engi si tumayo na? Ubani o impumpute njengaye opeleleyo na? o impumpute njengeneeku ka Jehova na?

20 U bona okuningi, kepa a u bonisisi, izindhlebe zi vulekile, kepa a u zwisisi.

21 uJehova u ya tokoza ngokulunga kwake; u ya kudumisa umteto wake, u wenze u bongeke.

22 Kepa laba ba ngabantu abapangwayo ba qedwa; bonke ba ya tiywa ngenmigibe, ba tukuswe ezindhlini zokubopela; ba into yokupangwa, a kuko obakululayo; ba into e nyatelwa, a muko o tyoyo, ukuti, Buyisa.

23 Umupi kinina o ya kubeka indhlebe kuloku na? Umupi o ya kulalela e zwa isikati esizayo na?

24 Ubani owa m nikela uJakobe a be into yokupangwa, naye uIsraeli emaseleleni na? Kwa ku nge siye uJehova, yena esonile ngakuye na? ngokuba a ba vumanga ukuhamba ngezindhlela zake, be nga hlaleli umteto wake.

25 Ngaloko u telile pezu kwake ukufuteka kolaka lwake, namandhla okulwa: kwa vuta umlilo ngakuye, kepa a kwazanga; kwa m tyisa, noko u ka nakekelanga.

ISAHLUKO 43.

**K**EPA manje uJehova okwenzileyo wena, Jakobe, no wa bumba wena,

Israeli, u tyo loku ukuti, U ngesabi : ngokuba ngi ku hlaulele, nga ku biza ngegama lako; u ngo wami.

2 Lapo u hamba emanzini, ngi ya kuba nawe; na semifuleni, a i yi kuba nako ukukutyonisa: lapo u dhlula emlilweni, u nga tyi, nlangabi li nga vuti pezu kwako.

3 Ngokuba ngi nguJehova uTixo wako, ngi ngo ingewele ka Israeli, umsindisi wako: nga ku hlaulela ngEgipite, na ngEtiopia neSeba.

4 Loku wa u igugu emehlweni ami, wa u odumileyo, ngi ku taudile: ngi ya kunikela abantu ngawe, nezizwe ngokupila kwako.

5 U ngesabi, ngokuba ngi nawe: ngi ya kuleta inzalo yako i sempumalanga, ngi ku bute na sentyonalanga u ze lapa;

6 Ngi ya kutyo kuyo inyakato ukuti, Ba dedela; na kuyo iningizimu, U nga ba bambi: Letani amadodana ami a kude, namadodakazi ami a semikaulweni yomhlaba;

7 Ngi tyo lowo na lowo o bizwa ngegama lami: ngokuba ngi menzele ukuba udumo lwami, nga m dabula; nga menza.

8 Sondezani izipumpute ezi namehlo, nezitulu ezi nezindhlebe.

9 Ma zi butelwe ndawonye zonke izizwe, nabantu ba hlenganiswe: u mupi kubo o nga tyo loku, a si bonisa okuzayo na? ma ba veze ofakazi babo, ukuba ba tetelelwa: ma bezwe, ba ti, Ku iqiniso.

10 Nina ni ofakazi bami, a tyo uJehova, nenceku yami engi yi ketileyo; ukuba ni ngazi ni kolwe kimi, ni zwe ukuba ngi nguye: ngapambili kwami, ka bonanga kwenziwe uTixo noyedwa, na ngasemva kwami a ku sa yi kuba kona namunye umsindisi.

11 Imina ngi nguJehova; ngapandhle kwami a kuko namunye umsindisi.

12 Ngi tyilo, nga sindisa, nga zwisa, si nga ka biko isitixo nasinye pakati kwenu: ngako ni ngofakazi bami bokuti ngi nguTixo, u tyo uJehova.

13 Yebo, lu nga ka bi ko usuku ngi nguye; ka ko o nga kulula esandhlени sami: ngi ya kusebenza, ubani o nga ku kalimayo na?

14 U tyo loku uJehova, umhlanleli wenu, o ingewele kaIsraeli ukuti: nga tumama eBabulona, ngenxa yenu, ngapula imivalo yakona, namaKaldi, e ukukala kwawo ku semikunjini.

15 Ngi nguJehova, o ingewele wa kini, umenzi wa kwaIsraeli, inkosi yenu.

16 U tyo loku uJehova, o yenza indhlela elwandhle, nomzila emanzini amakulu.

17 O kipa inqola yokulwa, nehashi, nempu, namandhla; ku ya kulala kanye, a ku sa yi kuvuka: ku pelile nya, ku cinyiwe njengenkondhlwane.

18 Ni nga kumbuli okudhlulileyo, ni nga zindhli izinto zendulo;

19 Bhekani, ngi ya kwenza into entya; i ya kuvela kaloku; a ni yi ku yazi na? Ngi ya kuyenza indhlela ehlane, nemifula obala.

20 Isilwane sa sendhle si ya kuugidumisa, namadrako nezintye: ngokuba ngi veza amanzi ehlane, nemifula obala, ukupuzisa abantu bami, abaketiweyo.

21 Lababantu ngi zenzele mina; ukuba ba bonakalisa udumo lwami.

22 Kepa wena, Jakobe, a u kolwanga kimi; wa dinwa yimi, Israeli.

23 A u ngi ziselanga amazinyane omhlambi a be umnikelo wokutya; a u ngi dumisanga ngemihlatyelo yako. A ngi ku cindezelanga ukuba u ngi konze ngomnikelo, a ngi ku katazanga nge-mpepo.

24 A u ngi tengelanga ngemali umhlanga wamaka, a u ngi kolisanga ngamafuta emihlatyeyelo yako: kepa u ngenzile ngi twale izono zako, wa ngi kataza ngokungalungi kwako.

25 Imina, ngi nguye mina, o sula ize-duko zako ngenxa yami, a ngi sa yi ku kumbula izono zako.

26 Ngi kumbuzo, ma sahlulelane: yi-tyo wena ukuba u tetelelwe.

27 Ukoko wako wona, nabafundisi bako ba dukile kimi.

28 Ngaloko ngi zonakalisile izikulu zobungewele, ngi nikile uJakobe ekuqalekiseni, uIsraeli ekutukeni.

#### ISAHLUKO 44.

**K** EPA manje yizwa, Jakobe neeku yami; Israeli e ngi ku ketileyo:

2 U tyo loku uJehova owa kwenza, nowa ku bumba esiswini, o ya kukusiza, ukuti; U ngesabi, Jakobe, neeku yami; wena, Jeshuruni, e ngi ku ketileyo.

3 Ngokuba ngi ya kutela amanzi pezu kwake owomileyo, nesikukulu emhlabatini owomileyo: ngi ya kutela umoya wami pezu kwenzalo yako, nokubusisa kwami pezu kwabantwana bako.

4 Ba ya kuhluma pakati kohlaza, nje-geminyezane ngu semfuleni.

5 Omunye u ya kuti, ngi ngoka Jehova; nomunye u ya kuzityo igama lika Jakobe: nomunye a zityo ngokuloba ukuti u ngoka Jehova, nomunye u ya kuzityo u ngowohlanga lu ka Israeli.

6 U tyo loku uJehova inkosi ka Israeli, nomhlengi wake, uJehova wama-bandhla, ukuti; ngi ngowokuqala, nowokupela; a kuko naTixo ngapandhile kwami.

7 Ubani o nga biza, njengami, a ku tyo, a ngi hlelele, loku nga misa abantu bendulo na? loku okuzayo, noku ya kuza, ma ba ku bonakalisa kubo.

8 Ni ngesabi, ni nga bi nalavalo: a ngi ku tyelanga ini ngalesosikati, nga menyezela ngako na? nina ni ngofakazi bami. Ku kona ini uTixo omunye ngapandhile kwami? ea, a kako: a ngi mazi namunye.

9 Abenza izitombe ezibaziweyo ba ize bonke; nezinto zabo ezitandekayo a zi nakusiza zi ya zifakazela zona; a zi boni, a zi nakwazi; ukuze ba be namahloni.

10 Ubani o senzile isitixo, nokuba isitombe esincibilikisiweyo noma esibaziweyo, esi nge nakusiza ngaluto na?

11 Bheka, bonke aba kanye naye ba ya kuba namahloni: nezisebenzi, zi ngabantu: ma ba butelwa ndawonye be me: ba ya kwesaba, ba jabe kanye.

12 Umkandi u ya sebenza emalahleni ngodhlau, a ku lungisa ngesando, a sebe-nze ngamandhla ezingalo zake: yebo, u launbile, a pela amandhla ake: ka puzi manzi, a pela amandhla.

13 Unibazi u yelula intambo yake; a u dweba ngentambo: a u lungisa ngezibazo, a u linganisa ngokompasi, a wenze umfanekiso womuntu njengobuhle bomuntu; ukuba u hlale endhlini.

14 U ya zigaukela imikoba, a tate irimoni nomkoba, a yenza i be namandhla ngokwake pakati kwenitzi yehlali: u ya tyala ioreni, imvula i londhle.

15 Kona li ya kuba iko umuntu u ya kubasa ngako: ngokuba u ya kuteza kulo, a wote; yebo, u ya basa ngalo, a peke isinkwa; yebo a senze isitixo, a si dumise; a senze isitombe esibaziweyo ngalo a zikotamela nga kuso.

16 A tyise ucezu lwalo ngomlilo; na ngocezu lwalo a dhle inyama; ose nokosa a sute: yebo, u ya zifudumeza a ti, Ehe, se ngi fudumele, ngi bonile umlilo.

17 Nensali yalo u yenza i be isitixo, isitombe esibaziweyo sake: a kotamele kuso, a si dumise, a kuleke kuso, a ti, Ngi sindise; ngokuba u isitixo sami.

18 A ba zanga, a ba qondanga: ngokuba u valile amehlo abo, ukuba ba nga boni; nezinhliziyi zabo ukuba ba nga qondi.

19 A muko namunye o qonda enhliziyweni yake, a ku nakwazi; nakuqonda kokuti, ngi tyisile ucezu lwalo emlilweni; yebo, ngi pekile isinkwa emalahleni alo; ngosile inyama, ngi dhile: imbala ngi nga tata insali yabo ngenze okuzondekile ngayo na? ngi nga kotamela okwanuti na?

20 U ya dhla imilota; inhliziyi ekohlisiweyo i ni dukisile, ukuba a ka nako ukusindisa umpefumlo wake, nokuti, A ku ko ini amanga esandhlani sami sokunene na?

21 Kumbula lezizinto, Jakobe, wena Israeli; ngokuba wena u inceku yami: ngi kwenzile; u inceku yami: O Israeli, a u yi kukohlwa ini.

22 Ngi sulile izeduko zako zesuke, njengefu elikulu, nezono zako, njengefu: Buyela kimi; ngokuba ngi ku hle-ngile.

23 Hlabelelani, mazulu; ngokuba uJehova u kwenzile: hubani nina zindawo zomhlaba ezipansi: tatelani ni hlabelele nina zintaba, nawe hlali, nemiti yonke e pakati kwako: ngokuba uTixo u hle-ngile uJakobe, wa zidumisa ngoIsraeli.

24 U tyo loku uJehova, umhlengi wako, yena owa ku bumba esiswiini, ngi nguJehova o kwenza konke: oweneka izulu yedwa; oweneka umhlaba ngokwake;

25 O eita izibonakaliso zabaqamba manga, o zenza izanusi zi hlanye; o buyisa emva abahlakanipileyo, enze ukwazi kwabo ku be ubuula;

26 O qinisa izwi lenceku yake, a feze izwi lezitunywa zake o tyoyo kulo iJerusalem ukuti, U ya kuba nabantu; na kuyo imizi ya kwaJuda, ni ya kwa-kiwa, ngi ya kuvusa okuecikeleyo kwa kona:

27 O tyoyo emanzini amaningi, Yityo, nokuti ngi ya kutyisa imifula:

28 O tyo ngoKurosi, U ngumalusi wami, u ya kwenza konke okwentando yami, e ti kulo iJerusalem, U ya kwakiwa; na kulo itempeli, Ku ya kubekwa isisekelo sako.

## ISAHLUKO 45.

U TYO loku uJehova kogeotyweyo wake, kuKurosi, isandhla sake sokunene ngi si qinisile, sokunqoba izizwe pambi kwake; ngi ya kuxekisa izinkalo zamakosi, ukunvulela iminyango e nezicaba ezibili; neminyango i nga bi sa i valwa;

2 Ngi ya kuhamba ngapambili kwako, ngenze okunsongesonge ku qonde ntse: ngi ya kwapula izivalo zetusi, ngi nqume imiyalo yensimbi:

3 Ngi ya kunika amagugu a sebunyamani, nemfuyo e fihliwe ezindaweni ezisithekileyo, ukuze wazi ukuba mina, Jehova, e ngi ku biza ngegama lako, ngi nguTixo ka Israeli.

4 Ngaye uJakobe inceku yami, ngo-Israeli oketiweyo wami, ngi ku bizile ngegama lako: ngi ku bize ngegama elihle, nokuba u nga ka ngazi.

5 Ngi nguJehova, a kuko omunye, a muko uTixo ngapandhle kwami: nga ku bincisa mina, nokuba u nga ka ngazi:

6 Ukuba bazi aba sempumalanga, nabasentyonalanga, ukuba a kuko ngapandhle kwami. Ngi nguJehova a muko omunye.

7 Ngi yeuza ukukanya, ngenze nobunyamani: ngenze ukutula, ngenze nokubi: Mina Jehova ngi kwenze konke loko.

8 Yehlisani nina mazulu, namafu ma ku ne ukulunga: umhlaba ma u vuleke ku ze ku vele ukusindisa nokulunga ku mile ndawonye; mina Jehova ngi kwenzile loku.

9 Wo kuyena o melana noMenzi wake! Udengezi ma lu melane nezindengezi za lomhlaba. Ibumba li ya kutyo ini kolibumbayo ukuti, Wenzani na? nombenzi wako u tyo, U nezandhla na?

10 Wo kuye o tyo kuyise ukuti, U zalani na? noma kumfazi ukuti, U beleteni na?

11 U tyo loku uJehova, o ingeweke ka Israeli, uMenzi wake, ukuti, Ngi buze ngezinto ezizayo ngamadodana ami, ni ngi yaleze ngomsebenzi wezandhla zami.

12 Ngi wenzile umhlaba, nomuntu pezu kwawo: izulu lelulwe imina, ngezandhla zami, namabandhla onke alo ngi wa yalezile.

13 Ngi m kulisile ngokulunga, ngi ya kuhlela zonke izindhla zake: yena u ya waka umuzi wami, a kulule iziboty-

wa zami, ku nga bi ngenxa yenkoko nenzuzo, u tyo uJehova wamabandhla.

14 U tyo loku uJehova, umsebenzi wa sEgipite, nentengo ya sEtiopia ne yamaSabea, abantu aba zimukileyo, ba ya kuza kuwe, ba be ngabako: ba ku landele; ba fike be botywe ngamaketa-nga ba ku kotamela, ba kuleke kuwe, be ti, Ku qinisile uTixo u nawe; a muko omunye, uTixo a muko.

15 Impela wena u nguTixo o zitukusayo, O Tixo ka Israeli o ngumsindisi.

16 Ba ya kujaba, ba dinge bonke: nabenze izitombe ba nyakazele kanye kanye.

17 Kepa uIsraeli u ya kusindiswa kuJehova ngokusindisa okupakade: a ni yi kujaba a ni yi kuhlazeka ku ze ku be pakade.

18 Ngokuba u tyo loku uJehova o wenza amazulu; uTixo yena owa lungisa umhlaba wa wenza; wa u misa yena, a ka wenzelanga ize, wa u lungisela ukuba ku hlalwe kona: mina ngi nguJehova: akako omunye.

19 A ngi kulumile mina ngasese, endaweni emnyama yomhlaba: A ngi tyongo kuyo inzalo ka Jakobe ukuti, Ngi fumene ngeze: Mina uJehova ngi kuluma ukulunga, ngi yaleza izinto ezifaneleyo.

20 Butanani ni ze, ni hlangane ndawonye, nina e ni punyuke ezizweni: a ba nakwazi bona aba misa umuti wezitombe zabo ezibaziweyo, be tandaza kuso isitixo e si nge nakusindisa.

21 Ba tyeleni, ni ba sondezi: yebo, ma ba kulume bodwa: ubani o ku tyilo loku kwa pakade na? ubani o ku kulumileyo ku suke ku lesosikati na? a ngi uye mina uJehova na? e ngeko omunye uTixo ngapandhle kwami na; uTixo olungileyo nomsindisi; a kako omunye ngapandhle kwami.

22 Bhekani kimina, ni sindiswe nina, zihlangoti zonke zomhlaba; ngokuba mina ngi nguTixo, a kako omunye.

23 Ngi zifungile mina, izwi li pumile emlonyeni wami ngokulunga, a li i ku buya, Ukuba bonke ma ba kotamela mina, nezilimi zonke zi funge.

24 Impela, omunye u ya kuti, amandhla nokulunga ngi wa tola kuJehova: nabo bonke ba fikele yena; nabo aba m ehlukelayo ba jabe.

25 Inzalo yonke ya kwaIsraeli i ya kulungiswa kuJehova, i be nodumo.

ISAHLUKO 46.

**U**BELE u ya kotama, noNebo u ya zitoba, izitombe zabo za zi pezu kwezilwane, na pezu kwezinkomo: izincwele zenu za zi twele kakulu; za ba iukatazo ezilwaneni ezikateleyo.

2 Zi ya kotama, zi ti fofololo ndawonye: za hluleka ukuzikulula kuwo umtwalo, zemuka kwelakubo zi tunjiwe.

3 Ngi laleleni nina ndhlu ka Jakobe, nensali yonke yendhlu ka Israeli, e ngi ni belete kwa siswini, nga ni kulula na sesizalweni:

4 No ze ni guge ngi se nguye; no ze ni be mpunga ngi ni twele: Ngenzile, ngi ya kutwala; yebo ngi ya kutwala, ngi ni sindise.

5 Ni ya kungifanisa na mupi na? ni ngenze ngi be njangani na? ni ngi linganise nobani, ukuba si fane na?

6 Ba bidhliza igolide esikwaneni, ba linganisa isiliva esikalweni, ba kokela nenyanga yegolide; nayo i lenza li be isitixo: ba kotameke bona ba dumise.

7 Ba m twala emahlombe, ba m tata ba m beka endaweni yake, naye u yema; a nga be sa suka endaweni yake: yebo, omunye a kale kuyena, a nga bi nakupendula kodwa yena, a m size enhlupekweni yake.

8 Kumbulani loku, ni zenze amadoda: ni ku cabangele futi, nina boni.

9 Kumbulani izinto za kuqala; ngokuba mina ngi nguTixo, a kako omunye; miua ngi nguTixo, a kako o fana nani.

10 Ngi tyo ekuqaleni oku ya kuba kona ekugeineni, na sekadeni ngi zi tyo izinto ezi nga kenzeki, ngi ti, Isiyalezo sami si ya kuma, ngenze kouke e ngi ku tandayo:

11 Ngi memeza inyoni ehahayo empumalanga, umuntu o si fezayo isiyalezo sami ezweni elikude; yebo, ngi ku tyilo, ngi ya kukufeza futi; ngi ku cabangile, ngi ya kukwenza.

12 Lalelani mina, nina bauhliziyiyo zi lukuni, eni kude nokulunga:

13 Ukulunga kwami ngi ya kusondeza; a ku i kuba kude, nensindiso yami a i ku libaka: ngi bekele iIsraeli insindiso eZioni udumio lwami.

ISAHLUKO 47.

**Y**EHLE, u hlale otulini, wena ntombi ka Babulona, hlala emhlabatini: a

siko isihlalo sobukosi, wena ntombi yamaKaldi: ngokuba a u sa i ku bizwa ngokuti u butakataka.

2 Bambani amatye, ni gaye impupu: wambule ikanda, u veze izito, ku bonakali umleuzi, u wele imifula.

3 Ubuze benu bu ya kuvela obala, yebo, ihlazo lenu li bonakale: ngi ya kupindisa, ngi nga hlangani nawe njeugendoda.

4 Kepa igama lomsindisi wetu li ngu-Jehova wamabandhla, o ingeweke ka Israeli.

5 Hlala u tule, u zifake ebunnyameni, wena ntombi yamaKaldi: ngokuba a u sa i ku bizwa ngokuti, Inkosikazi yemibuso.

6 Nga ba tukutelela abantu bami, nga li ngeolisa ifa lami, nga ba nika esandhleni sako: nawe a u benzelanga umusa; nabadala wa ba sindisa kakulu ngejokwe lako.

7 Wa ti wena, Ngo ba inkosikazi njalo njalo: u nga zi cabangeli lezi zinto enhliziyweni yako, u nga ku kumbuli nokugeina kwano.

8 Maujeke yizwa loku, wena o ziponsileyo enjabulweni, no hlezi ngokungakatali; o ti enhliziyweni, ngi kona, ngi ngedwa; a ngi i ku hlalisa o kwedikazi, nokufelwa abantwana a ngi i ku ku bona.

9 Kodwa loku kokubili ko ni fikela ngosoku lunye, ukufelwa abantwana, nobudikazi: ku ya kunifikela ngokupeleleyo ngenxa yobuningi bobubi benu, nobungona benu.

10 Ngokuba u tembile ebubini bako: wa ti, A ngi bonwa muntu. Ukuhlakanipa nokwazi kwako, ku konile; wa ti enhliziyweni yako, ngi kona, akako omunye ngapandhle kwami.

11 Ngako ububi bu ya kukufikela; u nga boni na lapo bu puma kona: u fike-lwe izinhlupeko; u nga be u sa ba namandhla nokuzisusa: nencitakalo i ku fikele masinyane, ongayaziyo.

12 Yimake nemilingo yako, nobuningi bobunusi bako, o sebenze ngabo kwa sebutyeni; ku bonakaleke uma u ya kusizeka, nokuba u ya kupelela iloko na?

13 U katele ngobuningi bamcebo ako. Ma ba suke manje aba bhaka izulu, nezinkanyezi, naba bala ngenyanga, beme ba ku sindise ku loku oku ya kukufikela.

14 Bhaka, ba ya kuba njengezi-

mpande; umlilo u zityise; a ba i ku zikulula emandhleni elangabi: li nga bikulo ilahle lokota, nomlilo woku wu hlalela.

15 Ba be njalo kuwena bona o sebenze nabo, ebutyeni bako, abatengi bako; ba zule i lowo kwe yake indawo; u nga sindiswa muntu.

## ISAHLUKO 48.

**Y**IZWANINI loku, nina bendhlu ka Jakobe, e ni bizwa ngokuti uIsraeli, ni puma emanzini a kwaJuda, eni funga ngegama lika Jehova, ni kuluma ngoTixo ka Israeli, kodwa ku nge ngeqiniso, nokulunga.

2 Ngokuba ba zibiza ngomuzi, o ingewe, be zisekela ngoTixo ka Israeli; uJehova wamabandhla li igama lake.

3 Ngali ku tyilo okwenzekileyo kwa sekuqaleni; kwa puma emlonyeni wami, nga ku bonisa; nga ku tyetyisa, kwenzakala.

4 Ngokuba be ngazi ukuti u lukuni, nentamo yako i ngumsipa wensinbi, nobuso bako bu itusi;

5 Ngali ku tyelile loku kwa sekuqaleni; nga ku kombisa ku nga kenzeki: funa u ti wena, Kwenziwe isitombe sami, ne-sibaziweyo, ne sebumba, ba ku yaleza.

6 U su zwile, bheka konke loku; a u yi ku ku memeza na? Ngali ku kombisile okutya kwa namuhla, ne be ku sitekile, o be u nga kwazi.

7 Kwenziwe namublanje, ku nge sekuqaleni; lu nga ka fiki nosuku loku ngezwa kwako; funa u ti wena, Bheka, be ngi kwazi.

8 Impela a u zwanga; impela u bu ngazi; impela ya i nga vulekanga indhlebe yako: ngokuba be ngazi ukuba u ya kukohlisa kakulu, u bizwa ngokuti umkohlisi kwa sekuzalweni.

9 Ngenxa yegama lami ngo bambezela ulaka lwami, na ngokubongeka kwami ngi zibambe ngawe, ukuze ngi nga ku nqumi.

10 Bheka, ngi ku hlanzisile, ku nge ngesiliva kodwa; ngi ku ketile eziko lenhlupeko.

11 Ngenxa yami, yebo ngenxa yami, ngi ya kwenza: ngokuba igama lami li ngoniwa kanjani na? a ngi i ku nika omunye udumo lwami.

12 Lalelani mina, Jakobe noIsraeli, ngi ni bizile; ngi nguye, ngi ngo wokuqala, ngi ngowokugcina futi.

13 Isandhla sami si si bekile isisekelo somhlaba nesandhla sami sokunene si linganise izulu: lapo ngi ku bizayo, ku ma ndawonye.

14 Butanani, nina nonke, ni zwe, um-upi kubona o ku tyilo loku na? uJehova u m tandile yena: u ya kwenza a ku taudayo pezu kweBabulona, nomkono wake u ye kuba pezu kwamaKaldi.

15 Imina, imina, o kulumileyo, yebo ngi m bizile: ngi m letile a lungise indhlela yake.

16 Sondelani kimina, ni ku zwe loku; a ngi nyenyezanga kwa sekuqaleni; ku suke ku lesosikati, ngi lapo: na manje uJehova uTixo, nomoya wake, u ngi tumile.

17 U ti uJehova, umkululi wako, o ingewele ka Israeli; mina ngi nguJehova uTixo wako o ku fundisa inhlanhla, o ku hola ngayo indhlela o nga u hamba ngayo.

18 Sengati nga u i lalelile imiteto yami! ukutula kwakoke kwa ku ya kuba njengomfula, nokulunga kwako njengamaza olwandhle:

19 Nenzalo yako i be ngangesihlabati, nokupuma ematunjini ako njengamatyana: igama lake nga li nga nqunywanga la bulawa ngapambi kwami.

20 Pumani eBabulona, ni balekele amaKaldi, ngezwi lokuhlabelela yalezani, ni tyo loku, ni ku tyo na sekugcineni konkhlabi; ni ti, uJehova u i kululile inceku yake uJakobe.

21 Ka bomanga lapo e ba hola ehlane: wenza ukuba amanzi a ba pumela ematyi: wa fohloza itye futi, namanzi a mpompoza.

22 A kuko ukutula kwababi, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 49.

**L**ALELANI mina, nina ziqingi: ni lalele, nina bantu, ba kude: uJehova u ngi bizile esizalweni; wa pata negama lami ngi sematunjini ka mame.

2 Nomlomo wami wa wenza wa ngengekenkema ebukali; wa ngi tukusa esitunzini sesandhla sake, wa ngenza umcibityelo o kanyisiweyo; wa ngi tukusa eikeni lake;

3 Wa ti kimi, Ngali inceku yake, mina Israeli, a ya kudunyiswa ngayo.

4 Nga se ngi ti mina, nga sebenzela ize, amandhla ami ngi wa citile ngeze: noko ukwahlulela kwami ku kuJehova impela, nomsebenzi wami u kuTixo wami.

5 Manjeke, u ti uJehova owa ngenza na sesizalweni ngi be inceku yake, yokubuyisela uJakobe kuyena futi, Noma uIsraeli e nga butene, mina ngi ya kudumiseka emehlweni kaJehova, noTixo wami a be ngamandhla ami.

6 Wa ti yena, Ku into elula ukuba u be inceku yami yokuvusa isizwe sa kwaJakobe, nokubuyisela abaseleyo ba kwaIsraeli; ku nika futi u be ukukanya kwabezizwe, u ze u be ukusindisa kwami na sekugeinini komhlaba.

7 U tyo loku uJehova umkululi ka Israeli no ingeweke wake, kuye o zondwa umuntu, na kuye o zondwa izwe, kuyo inceku yababusi, Amakosi a ya kubona a vuke, namakosana a ya kudumisa, ngenxa ka Jehova omayo njalo, no ingeweke ka Israeli, naye a kete wena.

8 U tyo loku uJehova, nga ku zwa ngesikati esifaneleyo, nga ku siza na ngosuku lwensindiso: ngo ku londoloza, ngi ku nike u be isivumelwano kubantu, ukukulisa umhlaba, nokubenzela ifa aba zindhlu zi eitekile;

9 Ukuze u tyo kwaba izibotywa, ukuti, Pumani; na kwaba sebunmyameni, Zi vezeni. Ba ya kudhla emigwaqweni, namadhlelo abo a be sezindaweni ezikakemeyo.

10 A ba i ku lamba bome; ba nga bulawa ukufudumala nelanga: ngokuba yena o nomusa kubona wo ba hola, a ba holele na semitonjeni yamanzi.

11 Ngenze zonke izintaba zami zi be indhlela, nemigwaqo yami i pakame.

12 Bheka, laba ba ya kuvela kude; yebo, ngasenyakato na ngasentyonalinga; na laba ezweni la seSinimi.

13 Hlabelelani, nina mazulu; u jabule, nawe mhlaba; ni pumisele ngezihlabelelo, nina zintaba; ngokuba uJehova u ba duduzile abantu baka, a be nomusa kwabahluphekileyo baka.

14 Kodwa iZioni la ti uJehova u ngi delile mina noJehova wami u ngi kolile mina.

15 Ovesifazana a nga m kohla ini umutwana wake o neelayo na, a nga i dabukeli nendodana yenzalo yake na? yebo, ba nga kohla bona, kodwa mina ngi nge ni kohlele nina.

16 Bheka, ngi ku lobile ezitendeni zezandhla zami; izindonga zako zi pambi kwami njalo.

17 Abantwana bako ba ya kutyetya; ababulali bako, nabo aba ku eitleyo ba ya kukupumela.

18 Lulamisa amehlo ako, u bheke: bonke laba ba ya butana, ba fike kuwe. U tyo uJehova, ngokupila kwami, impele u ya ku zi gqokisa kubo bonke, nje- ngesivumulo, u ba bope kuwena, nje- ngomlobokazi.

19 Ngokuba izindawo zako eziciteki- leyo nezwe lencitakalo yako, i ya kuba ingcingwana ngenxa yabantu, nabo aba ku gwinyayo ba ya kuba kude ka- kulu.

20 Abantwana o ya ku ba zala, se be file abanye, ba ya kutyo futi ezindhlebe- ni zako be ti, Lendawo i ngi nyinyile: ngi nika indawo ukuba ngi hlale kona.

21 U tyo ke wena enhliziyweni yako u ti, Ubani o ngi zalele laba, njengaloku ngi lahlekelwa abami abantwana, ngi hlezinje, ngi isibotywa, ngi zulazula njalo? ubani o zele laba na? Bheka, nga ngi sele ngedwa; laba, ba bepi bona na?

22 U tyo loku uJehova uTixo, Bheka, ngo pakamisa isandhla sami kwabezi- zwe, ngi mise isimiso sami kubantu: ba lete anadodana ako emikonweni ya- bo, namadodakazi abo a twalwe emah- lombe abo.

23 Namakosi a be abondhli bako, namakosikazi abo a be abondhli bako: ba ya kukukotamela ngobuso emhlabatini, ba kote notuli lwezinyawo zako; nawe wazi ukuba ngi nguJehova; ngokuba a ba i ku jaba aba ngi hlalelayo.

24 Impango i ya kususwa kwabana- mandhla na, nesibotywa esonileyo si kululwe na?

25 Kodwa u tyo loku uJehova, Nezi- botywa zabalulu zi ya kususwa, nempa- ngo yabasabekayo i nikelwe; ngokuba mina ngo ku lwa naye olwayo nawe, ngi sindise abantwana bako.

26 Ngi dhlise bona abakuhlupayo nge- nyama yabo; ba dakwe igazi labo, nje- ngewaini elitya: nabo bonke ngi bazise ukuba mina Jehova ngi ngumsindisi wako nomkululi wako, o namandhla ka Jakobe.

#### ISAHLUKO 50.

U TYO loku uJehova, Ipi incwadi ye- sahlukaniso sika nyoko, e ngi m lah- lileyo na? Unupi e ngi necala kuye- na e ngi m tengisele wena na? Bheka, ni zi tengisele nina ngenxa yezono ze- nu, na ngenxa yobubi benu unyoko u susiwe.

2 Ngako, ekufikeni kwami, kwa ku ngeko ndoda na? ekubizeni kwami, wa



e ngeko opendulayo na? Isandhla sami se si futyane, si nge kulule na? a ngi se namandhla ukusindisa na? bheka, ngezwi lami ulwandhle lu ya tya, ngenze inifula i be ugwadule: izinhlanzi zayo zi ya nuka, ngokuba a kuko manzi, zi ya fa ukoma.

3 Ngi gqokisa amazulu ngobumnyama, ngenze isibekelo sawo ngendwangu yamasaka.

4 uJehova uTixo u ngi nikile ulimi lwabafundileyo, ukuba ngi ze ngi kulume izwi ngesikati esifaneleyo kuye okateleyo: u vuka kusasa njalo, u vusa iudhlebe yami ukuba ngi zwe njengofundileyo.

5 uJehova uTixo u i vulile indhlebe yami, nami a ngi hlubukanga, ngi buyela emva.

6 Abatyayi nga ba vezela umhlana wami, nezihlati zami kubo aba ngi hlwita izinwele: a ngi bu tukusanga ubuso bami kulo ihlazo namate.

7 Ngokuba uJehova uTixo u ya kungni siza; ngako a ngi i kujaba: ngako ubuso bami ngi bu mise njengetye, ngi yazi ukuba a ngi i ku jaba.

8 U seduze yena o ngi melayo; ubani o ngalwa nami na? ma si me ndawonye: ubani o ngi mangalelayo? ma ka sondele kimina.

9 Bheka, uJehova uTixo wo ngi siza; ubani o nga ngi lahlayo na? yebo, ba ya kuguga bonke njengengubo; ba dhliwe izinyundu.

10 Ubani kinina omesabayo uJehova, o lalala izwi lenceku yake, o hamba ebumnyameni, e nge nakukanya na? ma ka tembe egameni lika Jehova; a zisekele kuTixo wake.

11 Bhekani, nina nonke aba pemba umlilo, na ba zihaga ngezinhlansi: hambani ekukanyeni komlilo wenu, nokwezinhlausi eni zi pembileyo. Loku ni ya kukwamukela kwe sami isandhla; ni ya kulala pansi ngenhlupeko.

#### ISAHLUKO 51.

**L**ALELANI mina, nina eni hambela ukulunga, nina eni funa uJehova: bhekani kulo itye eni nqetyulwa kulo, nomgodi e ni mbiwe kuwo.

2 Bhekani kuAbehama uyiblo wenu, na kuSara o ni zeleyo; ngokuba nga m biza yedwa, nga m busisa, nga mandisa.

3 Ngokuba uJehova u ya kududuza iZioni: a duduze zonke izindawo zalo ezi citekeleyo; enze ihlane lalo li be njenge-

Edene, nemfunda yalo njengensimu ka Jehova; injabulo nokutokoza ko tolwa kona, ukubonga, nezwi lokuhlabelela.

4 Ngi zweni, bantu bami; ni ngi bekele indhlebe, nina sizwe sami: ngokuba umteto wo vela kimi ngenze ukwahlulela kwami ku be ukukanya kubantu bami.

5 Ukulunga kwami ku seduze: insindiso yami i pumile, nemikono yami i ya kwabela abantu bami; iziqingqi zi ya kulhalela mina, zetembe ko wami umkono.

6 Lulamiselani amehlo ezulwini, ni wu bheke umhlaba pansi: ngokuba amazulu a ya kunyamalala njengomusi, nomhlaba u guge njengengubo, nabo aba hlezi kona ba fe njengaloko: kodwa insindiso yami i ya kuma njalo njalo, nokulunga kwami ku nga peli.

7 Lalelani mina, nina eni kwaziyo ukulunga, abantu aba nomteto wami ezinhliziyweni zabo; ni nga kwesabi ukucunula kwabantu, nezituko zabo.

8 Ngokuba inyundu i ya kubadhla njengengubo, nomsundu u ba dhle ngengeboboya bemvu: kodwa ukulunga kwami ku ya kuma njalo njalo, nensindiso yami ezizukulwaneni ngezizukulwane.

9 Vuka, vuka, u hlome amandhla, o mkono ka Jehova; vuka, njengezinsuku za kuqala, ezizukulwaneni ezi dhlulileyo. A ku wena o wa nquma iRahabi na? wa limaza udrako na?

10 A ku wena o womisa ulwandhle, amanzi olwandhle olukulu: o wenza indhlela kulo ukuze ba wele aba sindisiweyo na?

11 Ngako abasindisiweyo baka Jehova ba ya kubuya, ba fike ngokuhlabelela eZioni; nenjabulo engapeliyo yo ba emakanda abo: ba ya kutola ukutokoza nenjabulo; nenhlupeko nokulila ko baleka.

12 Mina, yebo mina, ngi nguye o ni duduzayo: ubani wena, ukuba u ze wesabe umuntu o ya kufa na, nendodana yomuntu e ya kwenziwa i be njengotyani na;

13 U kohlwe uJehova umenzi wako, o welula amazulu, no wenza izisekelo zomhlaba; wesaba njalo zonke izinsuku ulaka lomhlupi, e kwangati u ya kukululala? lupi ulaka lomhlupi na?

14 Isibotywa esi tunjweyo si ya tyetya ukuba si kululwe, ukuze si ngafi emgodini, nesinkwa sake si pele.

15 Kodwa mina ngi nguJehova uTixo wako, o wa dabula ulwandhle, amaza

alo e bodhla: uJehova wamabandhla igama lake.

16 Mina ngi wa bekile amazwi ami emlonyeni wako, ngi ku sibekile ngesitunzi sesandhla sami, ukuze ngi wa tya-le amazulu, ngi mise isisekelo somhlaba, Ngi tyo kulo iZioni ukuti, Nina ni ngabantu bami.

17 Vuka, vuka, u me, wena Jerusalema, o si puzileyo esandhleni sika Jehova isitya solaka lwake; u zi puzile izinziki zesitya sokututumela, wa zi kama.

18 A kako o ya kumhola kuwo wonke amadodana o wa zeleyo; a kako nompatayo ngesandhla kuwo onike amadodana a wa kulisileyo.

19 Loku kokubili ku fikele wena; ubani o ya kukudabukela na? incitakalo, nokufa, nendhlala, nenkemba ngo ku duduza ngobani na?

20 Amadodana ako a dangele, a lala ezihlokweni zezitaladi zonke, njengenkunzi ya sendhle esihibeni: a gwele ulaka luka Jehova, nokusola kuka Tixo wako.

21 Manjeke yizwa loku, wena sihlupeki, nesidakwa, kodwa ku nge nge-waini:

22 U tyo loku uJehova uTixo wako o mela abantu bake, Bheka, ngi si susile ezandhleni zenu isitya sokututumela nezinziki zolaka lwami: a u sa i kupuza futi:

23 Kodwa ngo ku faka loko ezandhleni zabo aba ku hlupayo; aba tyiloyo, emfemulweni wako ukuti, Kotama, si hamba pezu kwako: Wa kotama umzimba wako wa ba njengomhlaba, njengesitaladi, kubo aba hamba pezu kwako.

ISAHLUKO 52.

**V**UKA, vuka; u fake amandhla ako, Zioni; zi hlobise ngezingubo zako ezinhle, Jerusalema, muzi o ingwele; ngokuba ku nga sa yi ku buya ku ngene kuwe ongasokanga nomubi.

2 Zi tuntute utuli; u vuke u hlale pansi, wena Jerusalema: zi kulule esibotyweni sentano yako, wena ntombi ka Zioni o isibotywa.

3 Ngokuba u tyo loku uJehova, Ni zi tengisile ize; futi no sindiswa ku ngeko mali.

4 Ngokuba u tyo loku uJehova uTixo, Abantu bami behla kuqala Egipite ukuba bake kona; naba seAsiria ba ba hlupa ngeze.

5 Manjeke, ngi nantoni lapa mina, u

tyo uJehova, ukuba abantu bami ba mukiswe ngeze na? bona aba ba busayo ba benza ukuba ba bubule, u tyo uJehova; negama lami li tukwa zonke izinsuku.

6 Ngako abantu bami ba ya kulazi igama lami: ba ya kwazi ngalolosuku ukuba ngi nguye mina okulumayo: bheka, imina.

7 Za ba zinhle ezintabeni izinyawo zake o letayo indaba enhle o memeza ukutula; o leta indaba enhle yokulunga, o memeza insindiso: o tyoyo kulo iZioni ukuti, uTixo wako u ya busa!

8 Abalindi bako ba ya kupakamisa izwi labo; ba hlabelele kanye kanye ngezwi: ngokuba ba ya kubona ngamhlo, lapo uJehova e li buyisa futi iZioni.

9 Jabulani; ni gwabe kanye kanye, nina zindawo ezi citekeleyo zeJerusalema: ngokuba uJehova u ba duduzile abantu bake, u li kululile iJerusalema.

10 uJehova u hlubalile umkono wako o ingwele emehlweni ezizwe zonke; nezinhlangoti zonke zomhlaba zi ya ku i bona insindiso ka Tixo wetu.

11 Sukani, sukani, ni pume lapa, ni nga i tinti into e ngecolileyo; ni pume kuyena; ni be mhlope, nina bapati bezitya zika Jehova.

12 Ngokuba a ni i kupuma ngokutyetya, na ngokubaleka: ngokuba no landela uJehova; noTixo ka Israeli wo ni vikela na ngemva.

13 Bheka, ineeuku yami e yo kwenza kahle, i ya kupakanyiswa i nikwe amandhla, i be nkulu kakulu.

14 Abaningi ba mangale ngayo; ubuso bayo bonakele, ku nobomuntu omunye, nokuma kwayo ku nokwamadodana abantu:

15 Njaloke i fafaze izizwe eziningi; amakosi a yi valele imilomo: ngokuba a ya kukubona loko a kade e nga ku tyelwanga: na loku a kade e nga ku zwanga a ku qonde.

ISAHLUKO 53.

**U**BANI o kolwe ukutyo kwetu? ubani o se boniswe umkono ka Jehova na?

2 Ngokuba u ya kukula ngapambi kwake njengomuti obutakataka, na njengempande emhlabatini owomileyo: a ka nako ukuma nokubukeka; na lipo si m bonayo, si nga m tandi ngoba e nge nabuhle.

3 U yeiswa ka tandwa abantu; umuntu wezinhlupeko, e lu jwayele uhlupo:

sa zitukusa kuyena; wa e deliwe, a sa m tanda.

4 Impela wa zi twala izinhlupeko zetu, wa pata nokudabuka kwetu: noko be si ti u hlutyiwe, e tyawa uTixo, ehlupeka.

5 Kodwa wa linyazwa ngenxa yezona zetu, wa hlutyelwa ububi betu: umvimbo wokutula kwetu wa u pezu kwake; na ngemidwa yake si polisiwe tina.

6 Tina sonke sedukile njengezimvu; sa hamba ngezindhlela zetu sonke; uJehova wa m etwesa ngezono zetu.

7 U be hlupeka, e dabuka, a ka wu vula umlomo wake; wa letwa njengecwane li zo ku hlutywa, na njengemvu i tule pambi kwabagundi ku njalo naye, a ka wu vulanga umlomo wake.

8 Wa tatwa ekubotyweni na sekwahlulweni: ubani o ya kusityo isizukulwane sake na? ngokuba wa nqunywa ezweni labapilayo: wa hlutyelwa ukona kwabantu bami.

9 Ituna lake wa lenza kanye nababi, wa e nabacebileyo ekufeni kwake; ngokuba a konanga ngaluto, e ngeko namanga emlonyeni wake.

10 Noko uJehova wa tanda ukumhlupa; nokumdabukisa: lapo u ya kuwenza umpfumlo wake u be umhlatyelo wesono, u ya kuibona inzalo yake, andise izinsuku zake, nokutandwa uJehova ku buse esandhlени sake.

11 A bone okuvela ekuhlutyweni kompfumlo wake, a dele: ngokwazi kwake inceku yami elungileyo i size abaningi; ngokuba u ya kutwala izono zabo.

12 Ngako ngo mahlukanisela indawo nabakulu, a hlepule kuyo impango yabanamandhla; ngokuba umpfumlo wake u wu kipele ekufeni: wa balwa kanye nezoni; wa twala isono sabaningi, wa lamulela aboni.

#### ISAHLUKO 54.

**H**LABELELA, wena nyumbakazi, o wa u nga zali, zi bidhlize izihlabelelo, u kale ngamandhla, wena o nga mitanga: ngokuba baningi abantwana bomhlupeki, ku na besifazana esiganileyo, u tyo uJehova.

2 Kulisa indawo yendhlu yako, ma ba zelule izindwangu zezindhlu zenu: ni ngesabi, yandisani izintambo zenu, ni qinise izinkonkwane zenu;

3 Ngokuba u ya kudabula ngalapa na ngalapa; nenzalo yako i ya kudhla ifa

labelizwe, yenze ukuba imizi e citekileyo yakiwe.

4 U ngesabi; ngokuba ku yi ku jaba: u nga deli, ngokuba ku yi ku jabiswa: ngokuba u ya kukohla ihlazo lobutyabako, u nga be u sa i kumbala nakanye inhlupeko yobudikazi bako.

5 Ngokuba umenzi wako u indoda yako; igama layo li nguJehova wamabandhla: nomkululi wako ingewele ka Israeli; u bizwa ngokutiwa uTixo womhlaba wonke.

6 Ngokuba uJehova u ku bize njengowesifazana e deliwe e hlupeka enhliziyweni, nomfazi wobutya, u su waliwe wena, u tyo uTixo wako.

7 Si neane isikati sokukukohla kwami; kodwa ngo ku buta ngomusa omkulu.

8 Ngolaka oluncane nga bu tukusa ubuso bami kuwena isikatyana; kodwa ngo ku haukela ngomusa ongapeliyo, u tyo uJehova umkululi wako.

9 Ngokuba loku ku njengamanzi ka Noa kimina: na njengokufuuga kwami ukuba amanzi ka Noa ka sa yi ku sibekela umhlaba futi; njalo ngi fungile ukuba a ngi sa yi ku ku tukutelela, noku ku kuza.

10 Ngokuba izintaba zo hamba, nezintatyana zi suswe; kodwa umusa wami u nga suki kuwena, nesivumelwano sami sokutula si nga suswa, u tyo uJehova o nomusa kuwena.

11 O wena o hlupekileyo, u xukuzwa isivunguvungu, u nga duduzeki, bheka, ngo ku sekela ngamatye amahle, ngi mise izisekelo zako ngamasafeiro.

12 Ngenze izibuko zako ngamashevu, namasango ako ngamatye akanyayo, nemiccele yonke yako ngamatye amahle.

13 Nabantwana bonke bako ba fundiswe ngoJehova; ku be kukulu ukutula kwabantwana bako.

14 U miswe ngokulunga wena: u be kude nenhlupeko; ngokuba a u i kwesaba: u tutumele; ngokuba a ku i ku sondela kuwena.

15 Bheka, ba ya kubutana nempela, kodwa ku nge ngami: yena njalo o butanela wena u ya kuwa ngenxa yako.

16 Bheka, ngi meuzile mina umkandi o vutelayo amalahle emilweni, no kandayo into yomsebenzi wake; nami ngi mendile umciti ukuba a cite.

17 A ziko izikalі ezenzelwa wena ezi ya kubusiswa; nazo zonke izilimi ezi vukela wena ekwahluleni u ya kuzicita.

Loku ku ifa lezinceku zika Jehova, nokulunga kwabo ku kimina, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 55.

**A**I, nina nonke bomileyo, wozani emanzini, naye o nge namali; woza, tenga, u dhle; yebo, woza, tenga iwaini nobisi i nge ko imali nenani.

2 Ni i citelani imali kuko oku nge iso isinkwa na? namandhla enu kuko oku nga delisiyo na? ngi laleleni kahle, ni dhle loko okuhle, nompefumlo wenu u jabule emafuteni.

3 Lulamisani izindhlebe zenu, ni ze kimi; yizwani, nompefumlo wenu u ya kupila; nami ngenze isivumelwano esingapeliyo kinina, umusa ka Davida oqinisekileyo.

4 Bheka, ngi m nikile a be ufakazi kubantu, umholi, nombusi kubantu.

5 Bheka, u ya kubiza isizwe o nga saziyo, nezizwe e be zi nga kwazi zo kugijimela ngenxa ka Jehova uTixo wako, na ngenxa yo ingewele ka Israeli; ngokuba u ku dumisile wena.

6 Funani uJehova e se nakutolwa, mbizeni e se seduze:

7 Omubi ma ka i shiye indhlela yake, no nga lungile imicabango yake: ma ka buyele kuJehova, naye u ya kuba nomusa kuyena; na kuTixo wetu ngokuba u ya kuyekela ngokukulu.

8 Ngokuba imicabango yami a si yenu, nezami izindhlela a si zenu, u tyo uJehova.

9 Ngokuba njengamazulu e pezu komhlaba, njalo ezami izindhlela zi pezu kwezenu, neyami imicabango i pezu kweyenu.

10 Ngokuba njengokwehla kwemvula, nongqoqwane ezulwini, i nga buyeli kona, kodwa i matisa umhlaba, i wenze ukuba u tele, ukuze u nike ohlwaneyelayo imbeu, nesinkwa kodhlayo:

11 Ko ba njaloke izwi lami eli puma emloniyeni wami: a li i ku buyelaze kimi, kodwa li ya kukuqeda e ngi ku tandayo, li buse ngayo into e ngi li tumele yona.

12 Ngokuba ni ya kupuma ngenjabulo, ni holwe ngokutula: izintaba nezintatyana zo pumisela izihlabelelo ngapambi kwako, nemiti yonke yamasimu i tyaye izandhla zayo.

13 Endaweni yameva ko mila umuti wefire, nasendaweni yegatya ko vela umuti wemurle: ku be igama kuJehova, isibonakaliso esingapeliyo esi nga yi ku nqunywa.

## ISAHLUKO 56.

**U**TYO loku uJehova, geinani ukwahlulela, nenze ukulunga: ngokuba insindiso yami i seduze, nokulunga kwami ku bonakale.

2 U busisiwe umuntu owenzayo loku, nendodana yomuntu ebambelelayo ku kona; o geinayo isabata e nga loni, no sibambayo isandhla sake ebubini bonke.

3 U nga vumi futi ukuba indodana yesihambi e zihlanganise noJehova, i kulume, i ti, uJehova u ngahlukanisile nempela kubantu bake: noteniweyo a ti, Bheka, ngi ngumuti owomileyo.

4 Ngokuba u tyo loku uJehova kubo abateniweyo abageinayo amasabata ami, nabaketa izinto ezi ngi jabulisayo mina, nababambayo isivumelwano sami;

5 Ngo nika na kubona endhlini yami, na ngapakati kwezindonga zami indawo negama eli wa dhlulayo amagama amadodana namadodakazi: ngo ba nika igama elingapeliyo, eli nga yi ku nqunywa.

6 Futi amadodana esihambi azihlanganisa noJehova, ukumkonza, nokulitanda igama lika Jehova, ukuba izincedu zake, i lowo na lowo o li geinayo isabata e nga boni, nosibambayo isivumelwano sami;

7 Ngo ba leta nabo entabeni yami e ingewele, ngi ba jabulise endhlini yami yomtandazo: imihlatyelo yabo yo kwamukeleka kulo ilati lami; ngokuba indhlu yami yo bizwa i tiwe indhlu yomtandazo yabantu bonke.

8 uJehova uTixo obutayo abalahliweyo baka Israeli u ti, Ngo m butela nabanye futi, ngapandhle kwabo a se be butiwe.

9 Nina nonke zilwane za sendhle, wozani ni pange, yebo, nina nonke zilwane zehlali.

10 Abalindi bake ba zimpumpute: bonke ka ba nakwazi, ba izinja ezi zimungulu, a ba nakukonkota; ba lele ubutongo pansu, be tanda ubutongo.

11 Yebo, ba izinja ezilahayo ezi nga sutiyo, ba ngabalusi bezimvu aba nge nakwazi: ba bheka bonke kweyabo indhlela, ilowo kweyake inzuzo, e suka kweyake indawo.

12 Ba ti bona, Wozani, ngi ya kuleta iwaini, si zigewalise ngopuzo olunamandhla: ingomuso li be njenga namuhla, li be liningi kakulu ku naloku.

## ISAHLUKO 57.

**O**LUNGILEYO u ya fa, a nga kalelwa muntu: nabanomusa ba ya su-

swa, a nga biko o cabanga ukuba olungileyo u suselwa ububi obu ya ku vela.

2 U ya kungena yena ekutuleni: ba ya kupumula emibedeni yabo, ilowo e hamba ngokulunga kwake.

3 Kodwa sondelani lapa, nina madodana ezanusi, inzalo yompingi nesi-febe.

4 Ni dhlala ngobani na? ni wu vulela bani umlomo omude na? nokumnyalizela, na? a nibo ini abautwana bokona, inzalo yamanga na?

5 Ni zifudumeza ngezitombe ngapansi kwemiti yonke eluhlaza, ni bulala abantwana ezigidini ngapansi kweziwa zamatyé na?

6 Indawo yenu i sematyeni a butyelezi omfula; iwona, wona a okwenu: nesipo sokupuzwa u si telele wona, u wu vezile umhlabele wenyama. Ngi ya kuduzwa iloku na?

7 Umbede wako u wu mise entabeni ende e pakeme: wa ya ukuhlabele kona.

8 Nenkumbulo yako u i mise ngasemva kwezicaba nezinsika: ngokuba u zi vezile komunye ku nami, u kupukile; u wandisile umbede wako, wenza isivumelwano nabo; wa u tanda umbede wabo lapo u u bone kona.

9 Wa ya enkosini u pete amafuta, wandisa amaka ako, wa zi tuma kude izigijimi zako, wa zi tyonisa esihogweni.

10 U katele ngobukulu bendhlela yako; noko ka u tyongo ukuti, A liko itemba: u ku tolile ukupila kwesandhla sako; ngako a u dabukanga.

11 We saba bani, ukuba u qambe amanga, u nga kumbulanga mina, u nga ku bekanga na sehhliziyweni yako? a ngi tulanga na kade, u nga ngesabi mina na?

12 Ngo ku veza ukulunga kwako nemisebenzi yako; ngokuba a u i ku si- zwa iyo.

13 Lapo u kalayo, izixuku zako ma zi ku kulule; kodwa umoya u ya kubamukisa bonke, ukuzidhla ku ya kubatata; kodwa yena o wetemba mina u ya kufuya izwe, a fuye intaba yami e ingewele;

14 A ti, fumbelani, fumbelani, lungisani indhlela, susani isikubekiso endhlele- ni yabantu bami.

15 Ngokuba u tyo loku opakemileyo no pezulu o hlala ezulwini, ogama lake li uNgcwele; ngi hlala endaweni e pezu-

lu ne ingewele, kanye naye o nhliziyoyake i tambile i tobile, ukuvusa inhliziyoyotobileyo, nokuziduduza izinhliziyoyozabatambileyo.

16 Ngokuba a ngi i kumelana njalo njalo, ngi tukutela futi njalo; ngokuba inhliziyoyoyake u kupela ngapambi kwami, nemipefumlo e ngi yenzileyo.

17 Nga tukutela ngenxa yobubi bokufisa kwake, nga m tyaya: nga zi tukusa, ngi tukutele, naye wa qubeka njalo nge-ndhlela yenhliziyoyoyake.

18 Ngi zi bonile izindhlela zake ngo m polisa: ngi ya kumholela futi, ngi ni nike yena nabalilayo bake oku za ku- batokozisa.

19 Ngi ya zenza izitelo zezindebe; Ukutula, ukutula kuye o kude, na kuye o seduze, u tyo uJehova; ngo m polisa futi.

20 Kodwa ababi ba njengolwandhle oludungekileyo, lu nge nakupumula, amanzi alo e kipa udaka nenhlabati.

21 U tyo uTixo wami, A kuko ukutula kwababi.

#### ISAHLUKO 58.

**K**ALA kakulu, u nga nqamuli, vusa izwi lako njengetilongo, u bonise abautu bami ukona kwabo. Nendhlu ka Jakobe izono zabo.

2 Noko ba ngi funa onke amalanga, be jabula ukuzazi izindhlela zami nje- ngesizwe e senza ukulunga, si nga dela- nga umteto ka Tixo wabo: ba zi buza kimi na izimiso zokulunga; ba ya ja- bula ngokusondela kuTixo.

3 Ba ti, si ku zilelani ukudhla na, u nga boni wena na? inhliziyoyoyetu si i hlupeleni, u nga qapeli wena na? Bheka, osukwini lwako lokuzila ni tola injabulo, ni qeda yonke imisebenzi yenu.

4 Bheka, ni zilela inkani nokupikisa- na, nokutyaya ngesandhla esibi: a ni yi kuzila njenga namuhla, ukuzwakali- sa izwi lenu pezulu.

5 I kona lokukuzila e ngi ku ketileyo na? usuku lokuba umuntu a hlupé umpe- fumlo wake na? ku iko ukuba umuntu a kotamise ikanda lake njengomhlanga, nokwendhlabisa ngapansi kwake indwa- ngu yamasaka nomlota na? loku u nga ku biza ngokuti ukuzila, nosuku oluta- ndekayo kuJehova na?

6 A siko loku ukuzila e ngi ku ketileyo na? ukuxegisa izibopo zobubi, ukuyetu- la imitwalo esindayo, nokumdedela ohlu- tyiweyo, nokuba napule onke amajokwe?

7 A siko ukuba nabele abalambileyo isinakwa senu, nokuba ni buyise abampofu aba kityiweyo ezindhlini zenu na? na lapa u m bonayo ohambaze u m gqokise; nokuba u nga zi tukusi kwa benyama yaka na?

8 I konake ukukanya kwako ko puma njengokusa, nokupila kwako kwande masinyane: nokulunga kwako ku hambepambi kwako; nodumo luka Jehova lu be ngemva kwako.

9 U bizeke wena, a pendule uJehova; u kale, naye a ti, Ngi lapa. Uma u ya li susa pakati kwako ijokwe, ukuveza komunwe, nokukuluma oku ize;

10 Noma u khipela abalambileyo umpefumlo wako, u delisa umpefumlo ohlutyiweyo; njaloke ukukanya kwako ko puma ekufipaleni, nobumnyama bako bu be njengemini:

11 NoJehova a ku hole njalo, a gewalise umpefumlo wako ngendhlala, a kulupalise amatambo ako: u be njengensimu ematileyo, na njengomtombo wamanzi, omanzi awo e nga peli.

12 Naba vela kuwe ba ya kuwaka amanxiwa: u ya kuvusa izisekelo zezizukulwane eziningi; u bizwe ngokutiwa, Uvimbisikeu, Nomlungisi wezindhlela ku hlalwe kona.

13 Uma u lu susa unyawo lwako kulo isabata, ekwenzeni okutandayo ngosuku lwami olu ingewele: u jabuliswe isabata ubungewele buka Jehova, obudumisekayo; u m konze, u nga hambu ngezindhlela zako, u funa okutandayo wena, u kuluma namazwi ako wedwa:

14 U zijabuliseke noJehova; ngenze ukuba u kwele ezindaweni ezipakemeyo zomhlaba, ngi ku pe u dhle ifa lika Jakobe uyihlo: ngokuba umlomo ka Jehova u ku tyilo.

#### ISAHLUKO 59.

**B**HEKA isandhla sika Jehova a si finyeziwe, ukuba si nga sindisi; nendhlebe yake a i sindi, ukuba i ngezwa;

2 Kodwa izono zako zahlukene ku nawe noTixo wako, nezono zako zi bu tukusile ubuso bake kuwena, ukuba a nga be sezwa.

3 Ngokuba izandhla zako zonakele igazi neminwe yako ububi; izindebe zako zi kulumile amanga, ulimi lwako lu vungazela ukupambana.

4 A kako o bangela ukulunga, no tela iqiniso: be temba ize, ba kuluma

amanga; ba tate ukonakala, be veza ububi.

5 Ba camusela amaqanda ebululu, baluka ulembu lolwembu: naye o wadhlayo lawo maqanda a fe, nokwapukileyo ku be inyoka.

6 Ulwembu lwabo a lu i kuba izingubo, ba nga zi gqokisi ngemisebenzi yabo: imisebenzi yabo i nge yobubi, nokungcola ku sezandhlani zabo.

7 Izinyawo zabo zi gijimela ububi, ba tyetye nokubulala ongenacala: imicabango yabo i nge yobubi: ukucita nokububisa ku sezindhleleni zabo.

8 Indhlela yokutula ka ba yazi; a kuko nokwahlulela ekulambeni kwabo; ba zenzele izindhlela ezi izigwegwe: no hambayo ngazo a ka i ku kwazi ukutula.

9 Ngakoke ukwahlulela ku kude nati nokulunga a ku si fumani: si hlalela ukukanya, kodwa ku vela ukufipala nje; si linde ukukanya, kodwa si hamba ebunyamani.

10 Si ya pumputa udonga njengempumpute, si pumpute njeng okungati a si namehlo: si kubeka emini kungati i sebusuku, si sezindaweni ezicitekeleyo njengabantu abatileyo.

11 Si bodhla sonke njengamabere, si lila kakulu njengamajuba: si bhekela ukwahlulela, kodwa ka kuko; nensindiso, kodwa i kude nati.

12 Ngokuba izono zetu zandile ngapambi kwako, nokona kwetu ku ya si fakazela: ngokuba izono zetu zi kitina; na ngokona kwetu, si ya kwazi;

13 Ngokona nokutuka nga kuJehova, noku m dedela kude uTixo wetu, si kuluma insindezelo nenkani, si cabangela si tyo amazwi amanga e puma enhliziyweni.

14 Nokwahlulela ku hlehlele emuva, nokulunga ku mi kude: ngokuba iqiniso, li wele esitaladini, nokufaneleyo ku nge ngene.

15 Yebo, iqiniso li ya wa; naye o delayo ububi u zenza impango: noJehova wa ku bona, kwa m dabukisa ngokuba ku ngeko ukwahlulela.

16 Wa bona ukuba a kuko muntu; wa mangala ukuba e ngeko ummeli: ngako umkono wake wa m letela insindiso: nokulunga kwake, kwa m sekela.

17 Wa vata ukulunga njengesivikelo sesifuba, nesigqoko sensindiso ekanda lake; wa gqoka izingubo zentukutelo, e vate ukufudumala njengebantyi.

18 Njengezenzo zabo, u ya kubuyisa,

ulaka kwa ba melana naye, a vuze izita zake; neziqingi u ya kuzivuzza.

19 Ba lesabeke igama lika Jehova entyonlalanga, nodumo lwake ngasempumalanga. Lapo isita si ngena ngengozamecolo, umoya ka Jehova u ya kumimisela isimiselo.

20 Nomkululi a fike eZioni, na kubo abapendukayo baka Jakobe, u tyo uJehova.

21 Ngami mina, i lesi isivumelwano sami nabo, u tyo uJehova; umoya wami o pezu kwako, namazwi ami e ngi wa beke emlonjeni wako, a i kupuma emlonjeni wako, na semilonyeni yenzalo yako, na semilonyeni yenzalo yenzalo yako, u tyo uJehova, namuhla ku ze ku be pakade.

ISAHLUKO 60.

**V**UKA, u kanye; ngokuba ukukanya kwako ku fikile, nodumo luka Jehova lu vuke pezu kwako.

2 Ngokuba, bheka, ubumnyama bu ya kuwusibekela umhlaba, nobumnyama obukulu abantu: kodwa uJehova u ya kukuvukela, nodumo lwake lu bonakale pezu kwako.

3 Nabezizwe ba fikele ukukanya kwako, namakosi ngokukanya kokuvuka kwako.

4 Vusa amehlo ako ngakona, u boue: ba butana bonke, ba fikela wena: amadodana ako a ya kuvela kude, namadodakazi ako a ya kondhliwa ngasecaleni kwako.

5 U boneke wena, u hlangane ndawonye, inhliziyo yako yesabe, i kule; ngokuba ubuningi bolwandhle bo kolwa kuwe, izixuku zabezizwe zi ku fikele.

6 Ubuningi bamakamelo bu ku sibekelle izimbongolo za kwaMidiani noEfa; bonke aba kwa Sheba ba ya kufika: ba lete igolide nempepo: ba bonakalise izibusiso zika Jehova.

7 Youke inihlambi ya kwaKedari i ya kubutanela wena, izinqama za kwaNebaiote zi kulume kuwe: zo fika ngokutanda pezu kwelati lako, nami ngo dumisa indhlu yodumo lwami.

8 Obani laba aba ndizayo njengefu na, na njengamajuba ezindhlini zawo ?

9 Impela iziqingqi zo ngi hlalela, imikumbi ya kwaTarshishi kuqala, uku wa leta amadodana ako e kude, isiliva negolide labo kanye nabo, kulo igama lika Jehova uTixo wako, na ko ingeweke ka Israeli, ngokuba u ku dumisile wena.

10 Amadodana ezihambi a zake izindonga zako, namakosi abo a ku kulumele: ngokuba ngolaka lwami nga ku tyaya, kodwa ngomusa wami nga ku dabukela.

11 Ngako amasango ako a vuleke njalo; a nga valwa emini na sebusuku; ukuze abantu ba ku letele ibandhla labezizwe, nokuba amakosi abo a letwe.

12 Ngokuba isizwe nombuso o nga kuvumiyo u ya kufa; yebo, lezo zizwe zi qedwe impela.

13 Udumo luka Lebanoni lu ya kukufikela, umuti wefire nombershi, nomtidhari, nomkoba kanye kanye, ukuyenzanahle indawo yendhlu engeweke; ngenze futi indawo yezinyawo zami i benhle.

14 Namadodana abo aba ku hlupileyo a fike kuwe e ku kotamela: nabo bonke aba be ku dela ba kotame ezinyaweni zako; ba ku bize ngokuti, Umuzi ka Jehova, iZioni lo ingeweke ka Israeli.

15 Nokuba wena wa delwa wa zondwa, a kwa bako muntu o dabulayo kuwe, ngi ya kukwenza u be ubuhle obuma njalo, injabulo yezizukulwane eziningi.

16 U ncele futi ubisi lwabezizwe, u ncele ebeleni lamakosi; wazi ukuti mina Jehova ngi ngumsindisi nomkululi wako, o namandhla ka Jakobe.

17 Endaweni yetusi ngi lete igolide, na ngensimbi ngi lete isiliva, na ngomuti itusi, na ngamatye insimbi: Ngenze futi izinduna zako zi be nokutula, nababusi bako ukulunga.

18 Ububi bu nga be bu sezwakala ezweni lako, nencitakalo nokucita osebeni lwako; u bize izindonga zako ngokuti insindiso, namasango ako ukubonga.

19 U nga be u sa kanyiswa ilanga emini; nenyanga i nga ku kanyiseli: kodwa uJehova a be kuwe ukukanya okungapeliyo, noTixo wako udumo lwako.

20 Ilanga lako li nga be li sa tyona: nenyanga yako i nga be i sa zifihla: ngokuba uJehova a be ukukanya kwako okungapeliyo, nezinsuku zokulila kwako zi pele.

21 Nabantu bako ba be abalungileyo bodwa: ba fuye izwe ku ze ku be pakade, igatya lensimu yami, umsebenzi wezandhla zami ukuze ngi dunyiswe.

22 Omcane kakulu a be inkulungwane, nomcane u ya kuba isizwe esinamaandhla: mina Jehova ngi ya kukutyetyisa ngesikati sami.

## ISAHLUKO 61.

U MOYA ka Jehova uTixo u pezu kwa-mi; ngokuba uJehova u ngi geobile ukuba ngi shumayeke okuhle kwabato-bekileyo; u ngi tumile ukuba ngi vuse abanhliziyi zabo zapukile, ukuveza ukululo kuzo izibotywa, nokuvula indhlu yezibotywa kubo ababotywaya;

2 Ngi mezele umnyaka otandekayo ka Jehova, nosuku lolaka luka Tixo wetu; ukududuza bonke abalilayo;

3 Ngi misele abakalayo eZioni, ukubanika ubuhle ngomlota, amafuta enjabulo ngokulila, ingubo yokubonga ngomoya o sindayo; ba bizwe ngokutiwa imiti yokulunga, ukutyalwa kuka Jehova, a ze a dunyiswe.

4 Bake ezindaweni ezicitekeleyo, ba vuse amanxiwa a kuqala, ba lungise imizi ecitekeleyo, incitakalo yezizukulwane eziningi.

5 Izihambi zi me zaluse imihlambi yenu yezimvu, namadodana abezizwe a be abalimi benu nabalungisi bezivini zenu.

6 Ni bizwe ngokutiwa Abapristi baka Jehova: amadoda a ni bize ngokuti abasebenzi baka Tixo wetu: ni ya kudhla ingebo yabezizwe, ni zidhle ngodumo lwabo.

7 Ngenxa yehlazo lenu ni ya kuhlupeka; na ngokujaba ba jabule ngesabelo sabo: ngakoke ezweni labo ba fuye isandiso injabulo e ngapeliyo i be kubona.

8 Ngokuba mina Jehova ngi ya tanda ukwahlulela, ngi ya kuzonda ukupangela imihlatyelo etyiswayo; ngi ba yaleze umsebenzi wabo ngeqiniso, ngi benzele isivumelwano esingapeliyo.

9 Nenzalo yabo yaziwe kwabezizwe, nenzalo yabo kubantu: bonke aba ba bonayo ba ya kubavuma ukuba be inzalo e busiswe nguJehova.

10 Ngo jabula kakulu ngoJehova, unpefumlo wami u jabule ngoTixo wami, ngokuba u ngi gqokisile ngezingubo zensindiso, u ngi sibekile ngeingubo yokulunga, njengomyeni e zihlobise ngezivunulo, na njeugomlobokazi e zihlobise ngamagugu ake.

11 Ngokuba njengomhlaba u tela izihlanvu zawo, na njengensimu i milisa izinto ezi tyalwe kuyona ukuba zi mile; njalo uJehova uTixo u ya kwenza ukulunga nodumo lu vele ngapambi kwezizwe zonke.

## ISAHLUKO 62.

NGENXA yeZioni a ngi yi kutula, na ngenxa yeJerusalema a ngi yi kupumula, ukulunga kwalo ku ze ku pume njengokukanya, nensindiso yalo njenge-sibani esivutayo.

2 Nabezizwe ba bone ukulunga kwako, namakosi onke udumo lwako: u bizwe ngegama elitya, eli ya kuvela emlo-nyeni ka Jehova.

3 Futi u be umqele wodumo esandhleni sika Jehova, nomqele wobokosi esandhleni sika Tixo wako.

4 A ku sa yi kutyiwo ngawe ukuti uDeliwe; nezwe lako a li sa yi ku tiwa Ize: kodwa u bizwe ngokutiwa iHefziba, nezwe lako iBeula: ngokuba uJehova u ya jabula ngawe, nezwe lako lendile.

5 Ngokuba njengensizwa i ganwa intombi, njalo amadodana ako a gane wena: na njengomyeni e jabula ngomlobokazi, njalo uTixo wako a jabulele wena.

6 Ngi misile abalindi pezu kwezingdonga zako, O Jerusalema, aba nga yi kutula emini na sebusuku; nina aba kuluma ngoJehova, ni nga tuli,

7 Ni nga m niki ukupumula, a ze a li simamise, a lenze iJerusalema li be udumo emhlabeni.

8 uJehova u fungile ngesandhla sake sokunene, na ngomkono wamaudhla ake, Impela a ngi sa yi kuzinika izita zako umbila wako ku be ukudhla kwabo; namadodana esihambi a nga li puzi iwaini lako, o li sebenzileyo:

9 Kodwa bona aba li butileyo ba li dhle, ba dumise uJehova; nabo aba li butileyo ba li puze endhlini e ingewele yami.

10 Dabulani, dabulani emasangweni; lungisani indhlela yabantu; vusani, vusani umgwaqo; ni kete amatye awo; ni misele abantu isimiso.

11 Bheka, uJehova u ku tyilo na sekugeceni komhlaba, Yityoni kuyo intombi ka Zioni, Bheka, insindiso yako i yeza; bheka umvuzo wake u naye, nomsebenzi wake ngapambi kwake.

12 Ba ba bize ngokuti, Abantu abangewele, Abakululiweyo baka Jehova: nawe u bizwe ngokutiwa, U nguTolakele, Umuzi o nga deliwe.

## ISAHLUKO 63.

UBANI lona o puma eEdomi, o nezingubo zemibala za kwaBozra na?



lona o busisiweyo ngezingubo zake, e hamba ngobukulu bamandhla ake? Mina e ngi kuluma ngokulunga, ngi namandhla okusindisa.

2 U zi gqokelani izingubo ezibomvu, ezi fana ne zake onyatelayo esicindezelweni sewaini na?

3 Ngi si nyatele ngedwa isicindezelo sewaini; be ku ngeko kimi noyedwa kubantu: ngokuba ngo ba nyatele olakeni lwami, ngi ba gxobe ngokutukutela kwami; negazi labo li fafazeke ezingutyeni zami, ngi ngcolise zonke izivato zami.

4 Ngokuba usuku lokupindisela lu senhliziyweni yami, nonyaka wabakuliweyo bami u su fikile.

5 Nga bheka, a ka ba ngako o ngi sizayo; nga mangala ngokuba e ngeko o woku ngi pasa: ngako insindiso ya letelwa mina ngomkono wami; nolaka lwami, lwa ngi pasa.

6 Ngo ba gxoba abantu ngolaka lwami, ngi ba dakise ngokutukutela kwami, ngi wise emhlabatini amandhla abo.

7 Ngi memezele ububele obukulu buka Jehova, nezibongo zake, ngako konke a ku nikileyo tina, nomusa wake omkulu pezu kwendhlu ka Israeli, a ba nikileyo wona ngomusa wake, na ngobuningi bobubele bake.

8 Ngokuba wa ti, Impela ba ngabantu bami, abantwana aba nge qambe amanga: njaloke wa ba umsindisi wabo.

9 Kuzo zonke izinhlupeko zabo wa hlupeka naye, nengelosi yobukona bake ya ba sindisa: ngotando na ngesihau wa ba kulula: wa ba twala, ngazo zonke izinsuku zakuqala.

10 Kodwa ba hlubuka, ba u tukutalisa umoya wake o ingewele: ngako wa penduka wa ba isita kubo, wa lwa nabo.

11 Wa zi kumbulake izinsuku zakuqala, uMosi, nabantu, hle, e ti, Upi yena obakipileyo elwandhle kanye nomalusi womhlambi wezimvu zake na? upi yena o m fake umoya o ingewele wake na?

12 Obaholileyo ngesandhla sokunene sika Mosi na? ngomkono wake onzima, e hlukanisa amanzi ngapambi kwabo, ukuba a zenzele igama elingapeliyo na?

13 Obaholileyo elwandhle, njengehashi ehlane, ukuba ba nga kubeki na?

14 Njengokwehla kwesilwane esigodini, umoya ka Jehova wa m pumuzu;

njaloke wa hola abantu bako, ukuba u zenzele igama elidumileyo.

15 Bheka u sezulwini, u bone u sendaweni yako yobungewele nodumo: kupi ukwenama namandhla ako na? ukunyakaza kwamatumbu ako nomusa wako nga kimi na?

16 Impela u ngubaba wetu, noko uAbrahama e nga sazi, noIsraeli e nga si vumanga: Wena, Jehova, u ngubaba wetu, umkululi wetu; igama lako li mi kade.

17 O Jehova, u seduseleni ezindhleleni zako, wa zenza lukuni izinhliziyu zetu ekwesabeni wena na? Buya ngenxa yezinceku zako, aba isizwe sefa lako.

18 Abangewele bako ba li fuye isikatyana nje: izita zetu zi i bidhlizile indhlu yako e ingewele.

19 Tina si ngabako: a u bonange u ba busa bona; a ba bizwanga bona ngegama lako.

#### ISAHLUKO 64.

**S**ENGATI u nga dabula amazulu, wehle, nezintaba zi bidhlike ngenxa yobukona bako,

2 Njengokutya komlilo oncibilikisayo, umlilo obilisa amanzi, ukuliveza obala igama lako eziteni zako, nezizwe zi tumele ngobukona bako?

3 Lapo wa wenza okusabekayo e be si nga ku bhelile, wehla wena, nezintaba za bidhlike ngobukona bako.

4 Ngokuba iloku kwa vela izwe abantu ka bezwanga, na ngendhlebe, neso ka li bonanga, Tixo, uwe wedwa, o bone loko a m lungisele kona o m hlalelayo.

5 U ya hlangana naye o jabulayo no wenzayo ukulunga, bona aba ku kumbulayo ezindhleleni zako: bheka, u tukutele; ngokuba sonile: kubona ku hlala njalo, tina si sindiswe.

6 Kodwa tina sonke si njengento engcolileyo, nokulunga konke kwetu ku njengeziziba ezingcolileyo; nati sonke si bunisa kwekasi; nezono zetu, njengomoya, zi si mukisile.

7 A kuko muntu o biza igama lako, o zivusela ukubambelela kuwe ngokuba u si tukusele ubuso bako, wa si qeda, ngenxa yezono zetu.

8 Kodwa, manje, O Jehova, u ngubaba wetu; tina si ibumba, wena u ngumbumbi wetu; nati sonke si ngumsebenzi wesandhla sako.

9 U nga tukuteli kakulu, O Jehova, u kumbule ububi njalo njalo: Yebo,

bheka, si ya kuncenga, si nga bako sonke.

10 Imizi yako e ingewele i ihlane, iZioni li ihlane, neJerusalema incitakalo.

11 Indhlu yetu enhle ne ingewele, lapo obaba ba be ku dumisa kona, i qediwe ngomlilo: nezinto zetu zonke ezinhle zi citekile.

12 U ya kuzibamba ngenxa ya lezi-zinto kambe, O Jehova na? u ya kusi-tulela, u si hlupe kakulu na?

ISAHLUKO 65.

**N**GI funwa ibona aba be nga ngi cela-nga: ngi tolakele kubona aba be nga ngi funi: Nga ti, Bheka mina, bheka mina, kuso isizwe e be si nga bizwa ngegama lami.

2 Ngi zelulile izandhla zami lonke usuku kubantu abahlubukileyo, aba habamba ngendhlela engalungile, ngemicabango yabo;

3 Abantu aba ngi vukela njalo ngolaka eduze; aba hlabela emasimini, naba tyisa impepo pezu kwamalati esitini;

4 Aba hlala ematuneni, bake ezintabeni, abadhla inyama yezingulube, nomhluzi wezinto ezinengekayo u sezityeni zabo.

5 Aba ti, Yima wedwa, u nga sondeli kimina; ngokuba ngi ngewele ku nawe. Loku ku ngumusi ekaleni lami, umlilo otyayo lonke usuku.

6 Bheka, ku lotyiwe ngapambi kwami: A ngi i ku tula, kodwa ngi pindise, yebo ngi pindisele ezifubeni zabo.

7 U tyo uJehova ukuti, Izono zenu kanye nezono za oyihlo, aba tyisileyo impepo ezintabeni, be ngi tuka ezintatyaneni: ngakoke ngo ba linganisa ezifubeni ngomsebenzi wabo wokuqala.

8 U tyo loku uJehova ukuti, Njenge-waini elitya li tolwa esixukutwini, omunye a ti, U nga si bulali; ngokuba isibusiso si kuso: ngo kwenze njalo ezincekwini zami, ukuze ngi nga zi bulali zonke.

9 Ngi ya kuveza inzalo kuJakobe, na kuJuda umudhli wefa ezintabeni zami: nabaketiweyo bami ba ya ku li dhla, nezinceku zami zake kona.

10 iSharoni li ya kuba isibaya semihlambi, nesigodi sa kwaAkori indawo yokulala imihlambi yabantu bami aba ngi funileyo.

11 Kodwa inina abamdelayo uJehova, ni kohlwa intaba yami e ingewele, ni

lungisela lesosixuku isitebe, ni benzela na labo umnikelo wokupuza.

12 Ngako ngo ni misela inkemba, ni kotame nonke ekugwazeni: ngokuba lapo ngi bizayo, a ni pendukanga; nga kuluma, ka ni lalalanga: kodwa nenza ububi ngapambi kwamehlo ani, na keta kona e ngi nga ku tandiyo.

13 Ngako u tyo uJehova uTixo, Bheka, izinceku zami zi ya kudhla, kodwa ni lambe nina: izinceku zami zi puze, kodwa nina nome: izinceku zami zi jabule, kodwa nina ni jabe:

14 Bheka, izinceku zami zo hlabelela ngenjabulo yenhliziyi, kodwa nina ni kale ngenhlupeko yenhliziyi, ni bubule ngokukatazeka komoya.

15 Ni li shiye igama lenu li be isituko kwabaketiweyo bami: ngokuba uJehova uTixo u ya kukubulala, a bize izinceku zake ngelinye igama:

16 Ukuze yena o zibusisayo emhlabeni a zibusise kuTixo weqiniso; naye o fungayo emhlabeni a funge ngoTixo weqiniso; ngokuba izihlupeko zakuqala zi kohlakele, na ngokuba zi tukusiwe emehlweni ami.

17 Ngokuba, bheka, ngi ya lenza izulu elitya nomhlaba omutya: okwakuqala ku ngabe ku sa kunjulwa, ku catyangwe ngako.

18 Kodwa jabulani ni tokoze njalo njalo ngako e ngi kwenzayo: ngokuba, bheka, ngi yenza injabulo eJerusalema, nabantu balo intokozo.

19 Ngi jabule ngeJerusalema, ngo tokoze ngabantu bami: ku nga be ku sezwakala izwi lokulila ku lona, nezwi lokukala.

20 Ku nga be ku sa ba biko ingane yezinsuku, nexegu eli nga zi gewalisile izinsuku zalo; ngokuba ingane i ya kufa i ikulu iminyaka yayo: kodwa isoni si neminyaka e ikulu si tukwe.

21 Ba zake izindhlu, ba hlale kuzona; ba tyale izivini, ba dhle izitelo zazo.

22 A ba i kwaka ku hlale omunye: a ba i ku tyala, ku dhle omunye; ngokuba njegezinsuku zomuti, zi njalo ne zabantu bami, nabageotyweyo bami ba jabule ngesikati eside umsebenzi wezandhla zabo.

23 A ba i ku sebenzela ize, ba veze inhlupeko; ngokuba ba inzalo yababusisiweyo baka Jehova, nenzalo yabo kanye nabo.

24 Ko ti be nga ka bizi, ngi pendule; na lapo be sa kuluma, ngi zwe.

25 I dhle ndawonye impisi neewane, ibubesi li dhle utyani njengenkabi: notuli lu be ukudhla kweyoka. A zi i ku limaza zi bulale kuyo yonke intaba yami e ingewele, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 66.

U TYO loku uJehova, Izulu li isihlalo sami sobukosi, nomhlaba u isigqiki sezinyawo zami: ipi indhlu eni yakela mina na? nendawo yami yokupumula ipi na?

2 Ngokuba zonke lezo zinto zenziwe isandhla sami, nako konke loko kwenzakala, u tyo uJehova: kodwa ngo bheka ku lomuntu kuyena ompofu nonhliziyo i tambile, e tutumelayo ngezwi lami.

3 Yena o bulala inkabi kungati u bulala umuntu nje: naye ohlabayo icwane kungati u nquma intamo yenja nje: no yisa iminikelo kungati igazi lengulube nje; yena o tyisa impepo kungati u bona ngayo isitombe nje: Yebo ba zi ketele izindhlela zabo nonrpefumlo wabo u jabula ebubini babo.

4 Ngi ba ketele nami izinkohliso zabo, ngi buyisele pezu kwabo izesabiso zabo; ngokuba nga biza, a kwa pendula muntu; nga kuluma ka bezwanga: benza ububi ngapambi kwamehllo ami, ba keta e ngi nga ku tandiyo.

5 Yizwani izwi lika Jehova, nina eni tutumelayo ngalo; Abafo wenu abanizondileyo, abanikipileyo ngenxa yegama lami, ba ti, Ma ka dunyiswe uJehova: kodwa a velise ukutokoza kwenu bona ba jabe.

6 Izwi lomsindo li vela emzini, izwi li puma etempeleni, izwi lika Jehova li pindisela izita zake.

7 E nga ka miti, wa zala; ku nga ka fiki ubuhlungu bake wa zala umntwana wesilisa.

8 Ubani okuzwileyo okunjena na? Ubani okubonileyo na? Umhlaba u ya kuveliswa suku lunye na? Isizwe si zalwe kanye kanye na?. Ngokuba li te li mita iZioni, la zala abantwana balo.

9 U tyo uJehova, ngi ya kumitisa ngi nga zalise na? Ngi ya kumitisa ngi buye ngi vale embundwini na? U tyo uTixo wako.

10 Jabulani kanye neJerusalema, ni tokoze kubani nalo, nina nonke e ni li tandayo: jabulani ngentokoza kanye nalo, nina nonke e ni lilelayo.

11 Ukuze ni ncele, ni deliswe izifuba

zenduzo yake; ukuze ni kipe ubisi, ni jabule ngobuningi bodumo lwake.

12 Ngokuba u tyo loku uJehova, Bheka, ngo mandisela ukutula njengomfula, nodumo lwabezizwe njengomfulana ogijimayo: ni ncele nina, ni godhlwe ezinhlangotini zalo, ni dhlaliswe ematangeni alo.

13 Njengaye o duduzwa unina, njalo ngo ni duduza mina; ni duduzeke na seJerusalema.

14 Na lapo ni kubonayo loku, inhliziyo yenu i tokoze, namatambo ako a mile njengomuti; nesandhla sika Jehova saziwe ngasezincekwini zake, nolaka lwake ngaseziteni zake.

15 Ngokuba, bheka, uJehova wo fika e pete umlilo, nezingewele zake njenge-sivunguvungu ukuluveza ngamandhla ulaka lwake, nokukuza kwake ngamalangabi omlilo.

16 Ngomlilo na ngenkamba, uJehova u ya kumela bonke abenyama; na ba buleweyo nguJehova.

17 Ba ya kuzigcoba, ba zi hlanzisise emasimini ngasemva komuti munye ngapakati kwawo, be dhla inyama yengulube, nokunengekayo: nenipuku ku qedwe kanye kanye, u tyo uJehova.

18 Ngokuba ngi ya yazi imisebenzi yabo nemicabango yabo: ko fika ukubuta kwami zonke izizwe nezilimi, zi fike zi bone udumo lwami.

19 Ngi beke isibonakaliso ngapakati kwabo, ngi tune bona abapunyukayo ezizweni, kuTarshishi, noPuli, noLudi, abadonsa umcibityelo, kuTubali, noJavani eziqingini ezi kude, ezi nga luzwanga udumo lwami, zi nga bonanga nobukulu bami; ba bonakalise udumo lwami kwabezizwe.

20 Ba lete bonke abafo wenu ba be umhlabelelo kuJehova ezizweni zonke pezu kwamahashi, na sezinqoleni, na semibedeni, na pezu kwezimbongolo, na pezu kwezilwaue ezigijimayo, ba ku lete entabeni yami e ingewele eJerusalema u tyo uJehova, njengabantu baka Israeli be zisa umnikelo ngesitya esimhlope endhlini ka Jehova.

21 Ngi tate na kubona ba be abaprlsti nabaLevi, u tyo uJehova.

22 Ngokuba njengezulu elitya, nomhlaba omutya, e ngi ya kuwenza, u ya kuma ngapambi kwami, u tyo uJehova, njalo inzalo yako, negama lako li me.

23 Ko ti njalo ukwetwasa kwenyanga ku kwetwasa enye ngesabata elinye

ku ze ku fike elinye njalo, inyama yonke i ya kufika i dumise ngapambi kwami, u tyo uJehova.

24 Ba ya kupuma, ba zi bhekisise izi-

dumbu zabo abonileyo kimina: ngokuba izimpetu zabo a zi yi kufa, nonhlilo wabo u citywe! ba be isinengiso kuyo yonke inyama.

INCWADI YOMPROFETI

UJEREMIA.

ISAHLUKO 1.

**A**MAZWI ka Jeremia, indodana ka Hilkia, wabapristi ba seAnatoti, ezweni la kwaBenjamini,

2 Okweza kuye izwi lika Jehova emihleni ka Josia, indodana ka Amoni, inkosi ya kwaJuda, ngomnyaka weshumi nantatu wokubusa kwake.

3 Leza na semihleni kaJehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, kwa za kwa pela umnyaka weshumi nanye ka Zedekia, indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, kwa za kwa tunjwa iJerusalema ngenyanga yesihlanu.

4 Leza kimi izwi lika Jehova, li ti,

5 Ngi nga ka kwenzi esiswini nga kwazi; u nga ka pumi esiswini nga kwenza wa ngeweke, nga ku beka u be umprofeti wezizwe.

6 Nga ti, Au, Nkosi Jehova, bheka, a ngi kwazi ukukuluma; ngi umntwana.

7 Kepa uJehova wa ti kimi, U nga tyo ukuti, Ngi umntwana: Ngokuba u ya kuya kubo bonke engi ya kukutuma kubo, nako konke engi ya kukuyala kona wo ku shumayela.

8 U ngesabi ubuso babo; ngi nawe ukuba ngi ku sindise, u tyo uJehova.

9 Kona uJehova wa selula isandhla sake, wa tinta umlomo wami. Wa ti uJehova kimi, Bheka, ngi bekile amazwi ami emlonyeni wako.

10 Bonake, ngi ku misile namhla pezu kwezizwe na pezu kwemibuso, ukuba xotyey, u qede, u bulale u cite, wake u tyale.

11 La buya leza kimi izwi lika Jehova, li ti, Jeremia, u bonani? Nga ti, Ngi ya bona uswazi lwealmondi.

12 Wa ti uJehova kimi, U bonile kable; ngi ya kulinda izwi lami, ngi lenze.

13 La buya leza kimi izwi lika Jehova ngokwesibili, li ti, U bonani? Nga ti,

Ngi bona imbiza ebilayo; ubuso bayo bu bheka ngasenyakato.

14 uJehova wa ti kimi, Okubi ku ya kuvela ngasenyakato, ku fike kubo bonke abantu bezwe.

15 Bheka, ngi ya kubiza izizwe zonke zemibuso ya senyakato, u tyo uJehova; ba ya kuza, ba beke ngabanye izihlalo zabo nga semasangweni a seJerusalema, na kuzo zonke izindonga za kona, na kuyo yonke imizi ya kwaJuda.

16 Ngi ya kubalahla ngako konke okubi kwabo; ngokuba ba ngi delile, impepo ba i tyisele abanye otixo ba bonga imisebenzi yezandhla zabo.

17 Bopa izinkalo zako, u suke, u kulume kubo konke engi ya kukuyala kona; u ngesabi ubuso babo, funa ngi kwesabise pambi kwabo.

18 Bheka, mina ngi kwenzile namhla u be umuzi ovikelweyo, nensika yensimbe, utango lwetusi kulo lonke izwe kuwo amakosi a kwaJuda kuzo izinduna zalo, kubapristi balo, na kubantu bezwe.

19 Ba ya kulwa nawe, kodwa a ba yi kukwahlula; ngokuba ngi nawe ukuba ngi ku sindise, u tyo uJehova.

ISAHLUKO 2.

**I**ZWI lika Jehova la buya leza kimi li ti, 2 Hamba, u memeze ezindhlebeni zeJerusalema, u ti, U tyo uJehova, u ti, Ngi ya ku kumbula, ubunene bobutya bako, utando lokwendiswa kwako, uku-ngilandela kwako ehlane, ezweni eli nga linywayo.

3 uIsraeli u ingeweke kuJehova, ulibo lwezitelo zake; bonke aba m dhlayo ba yona; ba ya kwehllelwa usizi, u tyo uJehova.

4 Yizwani izwi lika Jehova, Ndhlu ka Jakobe, nemideni yonke yendhlu ka Israeli.

5 U tyo uJehova u ti, Oyihlo ba fu-

mene icala lini kimi, ukuba besuke kude nami, ba landele ubuula, ba pupuzele?

6 Aba tyongo ukuti, Upi uJehova, owa si kupula ezweni la sEgipite, owa si hola ehlane, ezweni lezingwadule nemigodi, ezweni lokomisa neletunzi lokufa, ezweni eli nga hanjwa muntu, eli ngakiwa muntu?

7 Nga ni ngenisa ezweni eli vundileyo, ukuba ni dhle izitelo zalo, nobuhle balo; kepa na ngena na lona izwe lami, nenza ifa lami li nengeke.

8 Abapristi a ba tyongo ukuti, Upi uJehova? nabapata umteto ba be nga ngazi; nabalusi ba ngi hlubuka, nabaprofeti ba profeta ngoBali; ba ku landela oku nge nakusiza.

9 Ngako ngi ya kupikisana nani, u tyo uJehova, ngi ya kupikisana nabantwana babantwana benu.

10 Welani ni ye emazweni a seKitimi, ni bone; ni tume eKedari, ni qonde kahle, ni bone ukuba ya ke ya ba kona into enje na?

11 Isizwe sa ke sa pendula otixo ini; nabo be ngesibo otixo; kepa abantu bami ba pendulile udumo lwabo lu be into e nga siziyo.

12 Mangalani iloko, mazulu! ni tutumele, netuke, u tyo uJehova.

13 Ngokuba abantu bami benzile izinto ezimbi ezimbili; ba ngi delile mina umtombu wamanzi a pilayo, ukuba ba zimbele imitombo, imitombo evuzayo, a nge hlale kuyo amanzi.

14 uIsraeli u isigqili ini? u iso esa zawa ekaya na? u tunjelwani na?

15 Izingonyama zi ya m konyela, zi bodhle; za cita izwe lake; imizi yake i tyile, ku nge ko owakileyo kuyo.

16 Abantwana ba seNofi, na ba se-Tahapanesi ba ya kudhlela okakayini lwako.

17 Ukumdela kwako uJehova, uTixo wako, a ku kwenzelanga loku na? e sa ku hola endhleleni.

18 Kaloku u nomsebenzi muni endhleleni e ya Egipite, ukuba u puze amanzi a seSihori? u nomsebenzi muni endhleleni e ya eAsiria, ukuba u puze amanzi omfula?

19 Ukona kwako ko ku luleka, nokuhlubuka kwako ko ku jezisa, ukuba wazi, u bone ukuti, ku into embi nebayo ukumdela kwako uJehova uTixo wako, nokuti ukungesaba a ku ko kuwe, i tyo iNkosi uJehova wamabandhla.

20 Ngokuba, kade, wapulile ijokwe

lako, u gqabulile izibopo zako, u tyilo wa ti, A ngi yi kukonza; ezintabeni zonke ezinde, na pansi kwemiti yonke eluhlale, u ya cambalalisa okwesifebe.

21 Nga ku tyala ivini elihle, imbeu elungileyo yodwa; yeka! u pendukile, u igatya elibi kimi, levini lezizwe!

22 Noma u geza ngeniteri, u zitabatele isipo eningi, ukona kwako ku lotyiwe pambi kwami, i tyo iNkosi uJehova.

23 U nga tyo kanjani ukuti, A ngi ngecolile, a ngi ba laudlanga oBali. Bona indhlela yako esihlanjeni, wazi o kwenzileyo; ikamelo lensikazi, eli nejubane li vanganisa izindhlela zalo;

24 Imbongolo ya sendhle, i jwayela ehlane. Ekukanukeni kwenhliziyo yayo i ya sezela umoya; ubani o nga ku vimbela? ukusondela kwayo bonke aba i funayo a ba dinwa; ngenyanga yayo ba ya kuifumana?

25 Linda unyawo lwako, funa lu nga bi nasieatulo, nompimbo wako, u ngomi; kepa u ti, Ku ize! Qa! ngi ya tanda abezizwe, ngi ya kubalandela.

26 Njengesela li jabile nxa li funyanwa, ku njalo i jabile indhlu ka Israeli; bona, namakosi abo, nezinduna zabo, nabapristi babo, nabaprofeti babo;

27 Aba ti emtini, Wena u ngubaba wetu; na setyeni, Wena u ngi zele. Ba ngi fulatela, be nga ngi bheki; kepa ngesikati sokuhlupeka kwabo ba ti, Suka, u si sindise.

28 Bapi otixo bako, o zenzela bona? ma ba suke beze, uma be nga ku sindisa ngesikati sokuhlupeka kwako; ngokuba njengobuningi bemizi yako, ba ngako notixo bako, Juda.

29 Ni pikisanelani nami? nina nonke nonile kimi, u tyo uJehova.

30 Ngi ba tyayile abantwana benu, kepa ku ize; ukululeka a ba kwamkelanga; inkemba yenu i ba dhlike abaprofeti benu njengengonyama e citayo.

31 Nina sizukulwanendini! bhekani izwi lika Jehova; be ngi ihlane ku-Israeli na? nokuba be ngi izwe lobumnyama? ba tyoloni abantu bami, Si yeduka, a si yi kubuya si ze kuwe?

32 Intombi i nga kohlwa izivunulo zayo na? nomlobokazi isibopo sake na? kepa abantu bami ba kohlwe imi izinsuku ezi nge nakubalwa.

33 Yeka! u ya lungisa indhlela yako ukufuna utando; ku njalo u fundisile nezindhlela zako okubi.

34 Na sezingutyeni zako ku funyenwe igazi labantu abampofu aba nge nacala; a ngi tyo ngi li fumene endaweni yokupanga, kodwa ku laba bonke.

35 Kepa u ti, A ngi nacala, nempela ulaka lwake lu bohlile kimi; Bheka, ngi ya kupikisana nawe ngokutyo kwako ukuti; A ngonanga.

36 U hambelani kangaka ngezindhlela eziningi? u ya kujabiswa iEgipite nje-ngokuba u jabisiwe iAsiria.

37 Na lapo u ya kupuma; izandhla zako zi pezu kwekanda lako, ngokuba uJehova e dela itemba lako, a u yi kuba nenhlanhla kulo.

ISAHLUKO 3.

**K**U tiwa, uma indoda i lahla umkayo, a muke kuyo a be owenye indoda, i ya kubuyela kuye na? a li yi konakala lelozwe na? wena u pingile nabatandiyewo abaningi, kepa buyela kimi, u tyo uJehova.

2 Bheka ezintabeni, u bone; ipi indawo o nga lalwanga kuyo? nga sezindhleleni u ba hlalele okomArabi ehlane; u lonile izwe ngokupinga kwako na ngokona kwako.

3 Kwa nqatyelwa ukuba li ne, a ya bi ko nemvula yamuva; kodwa wa u nobuso besifebe, wa nqaba ukuba nama-hloni.

4 A u sa yi kukuleka kimi ini u ti, Baba wetu wena, mhlobo wobutya bami!

5 U ya kuba nolaka njalonjalo na? u ya kulugodhla ku ze ku be pakade na? bheka, u tyilo, wenzile okubi, wahlulile.

6 Wa ti kimi uJehova na sezinsukwini zika Josia inkosi, U bonile loko a kwenzileyo uIsraeli ohlubukileyo. U yile ezintabeni zonke ezinde na pansi kwemiti yonke eluhlaza, wa pinga kona.

7 E senzile konke loku, nga ti, Buyela kimi. Kodwa ka buyanga. Wa bona loku uJuda udade wabo ongatembekiyo.

8 Nga bona, noma be ngi m lahlele uIsraeli ohlubukileyo ngokuba e pingile, nga m nika incwadi yesahlukaniso, ka sabanga uJuda udade wabo ongatembekiyo kodwa wa ya wa pinga naye.

9 Kwa ti, ngokuzwakala kokupinga kwake, wa lona izwe, wa pinga namatye nemiti.

10 Noko ngako konke loku uJuda udade wabo ongatembekiyo ka buyelanga kimi ngenhliziyo yonke, kepa ngokuzenzisa, u tyo uJehova.

11 uJehova wa ti kimi, uIsraeli ohlubukileyo u zilungisile ku noJuda ongatembekiyo.

12 Hamba, u wa memezele lawamazwi ngasenyakato, u ti, Buya, Israeli ohlubukileyo, u tyo uJehova, a ngi yi kukutukutelela: ngi nomusa, u tyo uJehova, a ngi yi kuba nolaka ku ze ku be pakade.

13 Li vume kodwa icala lako o wone ngalo kuJehova uTixo wako, wa ya izindawo zonke kwabezizwepansi kwemiti yonke eluhlaza, a ni lalaelanga izwi lami, u tyo uJehova.

14 Buyani, bantwana abahlubukileyo, u tyo uJehova; ngokuba ngi umyeni wenu; ngi ya kunitabata, a be munye emzini, nababili esizweni, ngi ni zise eZioni;

15 Ngi ni nike abalusi abenhliziyo yami, aba ya kunalusa ngokwazi na ngokugonda.

16 Ku za kuti, nxa nanda ni cume ezweni, nga lezozinsuku, u tyo uJehova, a ku sa yi kutyiwo ukuti, Umpongolo wesivumelwano sika Jehova; a u sa yi kungena enhliziyweni, u nga be u sa kunjulwa, u nga be u sa geinwa; u nga be u sa buya wenziwe.

17 Nga lesosikati iJerusalema li ya kutiwa isihlalo sika Jehova; izizwe zonke zi ya kubutana kulo, iJerusalema, ngegama lika Jehova, zi nga be zi sa hamba ngobulukuni benhliziyo yazo embi.

18 Nga lezozinsuku abendhlu ka Juda nabendhlu ka Israeli ba ya kuhamba ndawonye, ba vele ezweni la senyakato beze kanye kanye ezweni, enga ba nika lona oyihlo li be ifa labo.

19 Kepa, nga ti, Ngi nga ku beka kanjani pakati kwabantwana, ngi ku nike izwe elihle, ifa elihle kakulu ezizweni? Nga se ngi ti, U ya ku ngi biza ngokuti, Baba, u nga buyi u ngi fulatele.

20 Impela uma umfazi wa ke wa pata indoda yake okomdimbili, kanjalo na ni ngi patile okomdimbili, nina bendhlu ka Israeli, u tyo uJehova.

21 Kwezwakala izwi ezintabeni, ukukala nokunxusa kwabantwana baka Israeli, ngokuba bedukile, ba kohlwa uJehova uTixo wabo.

22 Buyani, bantwana abahlubukileyo; ngi ya kutetelela ukhulubuka kwenu; naku se si za kuwe, wena u nguJehova, uTixo wetu.

23 Inpela amagquma a ize, izintaba zi

umsindo, kepa ukusindiswa kuka Israeli ku kuye uJehova, uTixo wetu.

24 Izitombe zi dhlile imisebenzi ya obaba iloku sa zalwayo, izimvu zabo nezinkomo zabo, abafana babo namantombazano abo.

25 A si lale pansi si jabile, si gutyuzelwe amahloni; ngokuba souile kuJehova uTixo wetu, tina nobaba betu, iloku sa zalwa ku ze ku be namhla, si nga laleli izwi lika Jehova uTixo wetu.

ISAHLUKO 4.

UMA u ya kubuya, Israeli, u tyo uJehova, buyela kimi; uma u susa ebusweni bami izinto zako ezinengekayo, a ku yi kuba ondindayo;

2 Kodwa, funga ngokuti, uJehova u ya pila, ngeqiniso, ngomteto, na ngokulunga; izizwe zonke zi ya kuzibusisa ngaye, zi bonge ngaye.

3 U tyo uJehova kubantu ba seJuda naba seJerusalema ukuti, limani insimu yenu, ni nga hlwanyeli eveneni.

4 Zisokeleni kuJehova, ni suse ijwabu lenhliziyoy yenu, nina bantu baka Juda nabake eJerusalema; funa ku pume ulaka lwami njengomlilo, lu tyise, ku nga bi ko o lu cimayo, ngobubi bemisebenzi yenu.

5 Memezalani kwaJuda, ni bazise naba seJerusalema, ni kulume, ni tyaye itilongo ezweni, ni memeze ngamandhla, ni ti, Butanani, si ngene emizini evikeleweyo.

6 Pakamisani isiboniso si bheke eZioni, ni baleke, ni nga libali; ngokuba ngi ya kuleta okubi ku vela enyakato nokucita okukulu.

7 Ingonyama i ya puma esihlahleni sayo, nocita izizwe u sukile; u pumile endaweni yake ukuba a cite izwe lako; imizi yako i ya kuciteka, ku nga bi ko muntu kuyo.

8 Ngaloku fakani indwangu yamasaka, ni kale, ni bubule: ngokuba ulaka olukulu luka Jehova lu nga buyi kiti.

9 Ku ya kuti nga lolosuku, u tyo uJehova; inhliziyoy yenkosi i ya kufa, nenhliziyoy yezikulu, abapristi betuke, nabaprofeti ba tutumele.

10 Nga se ngi ti, Au, Nkosi Jehova, impela u ba kohlisile kakulu lababantu neJerusalema, u ti, Ni ya kuba nokutula, kepa inkemba i finyelele na sempefumlweni.

11 Nga lesosikati ku ya kutyiwo kulababantu na seJerusalema ukuti, Umoya

otiyisayo wezintaba za sehlane u yeza entombini yabantu bami, ku nge siwo owokwela nokuhlambulula.

12 Umoya omkulu o vela kona u yeza kimi; na manje ngi ya kubalahla.

13 Bheka, u yenyuka njengamafu, izinqola zake zi njengezivunguvungu, amahashi ake a namajubane ku nezinkozi. Nako kitina, si citiwe.

14 Jerusalema, hlanza inhliziyoy yako, u kipe okubi, ukuba u sindiswe. Izizindhlo zako ezimbi zi ya kuhlala kuwe ku ze ku be nini na?

15 Loku izwi lomemezayo li vela eDani, nelobikayo usizi li vela entabeni ka Efraimi.

16 Zi tyeleni izizwe, ni bike eJerusalema; abaqameli ba vela ezweni eli kude, ba memeza emizini ka Juda.

17 Njengabalinda insimu ba li pahlile, ngokuba li ngi hlubukile, u tyo uJehova.

18 Ukuhamba kwako nemisebenzi yako i kwenzele loku; loku ku ukona kwako, impela ku ya baba, impela ku finyelele na senhliziyweni yako.

19 Izibilini zami! izibilini zami! ngi nobuhlungu enhliziyweni yami; iuhliziyoy yami i ya bakuza; ngi nge tule, ngokuba u zwile mpefumlo wami, ukukala kwetilongo, ukuhlaba umkosi wempi.

20 Ku ya bikwa ukufa nokufa, izwe lonke li citekile; izindhlu zami zi ya citwa ngokuzumeka, otente bami ngokupazima kweso.

21 Ngi ya kubona isiboniso, ngi zwe ukukala kwetilongo ku ze ku be nini na?

22 Impela abantu bami ba iziula, a ba ngazi; ba ngabantwana aba izipukupuku, a ba nakuqonda; ba hlakanipela ukwenza okubi, kepa a ba kwazi ukwenza okulungileyo.

23 Ngi kangela umhlaba, bheka, u citekile, u ze; ngi kangela nezulu, kepa a kuko ukukanya kwalo.

24 Ngi kangela izintaba, bheka, zi ya tutumela, namagquma onke a ya zama-zama.

25 Ngi kangela, bheka, akuko muntu; nezinyoni zezulu zi mukile.

26 Ngi kangela, bheka, izwe elivundileyo se li ugwadule, nemizi yonke yalo i bidhlikile, pambi kuka Jehova, pambi kolaka lwake oluvutayo.

27 Ngokuba u tyalo Jehova ukuti,

Izwe lonke li<sup>7</sup> ya kuciteka, kodwa a ngi yi kuliqeda impela.

28 Nga loku umhlaba u ya kulila, izulu li be mnyama; ngokuba ngi tyilo, ngi ku misile, a ngi yi kupenduka, a ngi yi kubuya kuko.

29 Umuzi wonke u ya kubaleka ngomsindo wabamashashi nabemicibityolo; ba ya kungena emahlatini, benyukele ematweni; imizi yonke i ya kushiywa, ku ngaki muntu kuyo.

30 U ya kwenzani, wena o za kuciteka? Noma u gqoka okubomvu, noma u vata igolide, noma u huqa amehlo ako ngomuti, u ya kuhloba ngeze; aba ku tandayo ba ya kukudela, ba fune ukuba u fe.

31 Ngi zwile izwi kungati elomfazi obeletayo, ukukala kungati okwake ozibulayo; izwi lendodakazi ya seZioni, e hehezela, yelula izandhla zayo, i ti, Nako kimina, umpefumlo wami u pela mandhla ngenxa yababulali.

ISAHLUKO 5.

**G**IJIMANI ezindhleleni za seJerusalem, ni bone, nazi, ni cinge ezitalatini zalo, ukuba ni nga funana umuntu, ukuba ku kona o hamba ngomteto, o funa iqiniso, ngi ze ngi li tetelele.

2 Noma be ti, uJehova u ya pila, ba funga amanga impela.

3 Jehova, amehlo ako a wa funi iqiniso na? u ba tyayile, kodwa ka ba nakakela; u ba qedile, bala ukululekwa; benzile ubuso babo bu be lukuni ku nedwala, bala ukubuya.

4 Nga se ngi ti, Laba ba butakataka bodwa, ba ya pukuzela; ka bazi indhlela ka Jehova, umteto ka Tixo wabo.

5 Ngi u ya kuya kwabakulu, ngi kulume nabo; bona ba yazi iudhlela ka Jehova, umteto ka Tixo wabo; kepa bapulile ijokwe kanyekanye, ba gqabulile izihopo.

6 Ngako ingonyama ya sehlatini i ya kubabulala, impisi ya sehlane i ba cite, ingwe i qamele emizini; bonke abapumayo ba ya hxetyulwa; ngokuba ukweduka kwabo ku vamile, kwanda ukuhlubuka kwabo.

7 Ngi nga ku tetelela kanjani na? abantwana bako ba ngi delile, ba funga aba nge sibo oTixo; nga ba yala ngokuqinisa, kodwa ba pinga, ba kandana endhlini yesifebi.

8 Ba njengamashashi akulupeleyo, be

ndinda; ilowo u kalela umfazi wowakelene naye.

9 Nga ngi nga ba tyayi nga loku ini? u tyo uJehova; umpefumlo wami nga u nga pindiseli esizweni esi nje na?

10 Yenyukelani ezindongeni zalo, ni cite, kodwa ni nga qedi; ngumani amatyala alo; a siwo aka Jehova.

11 Ngokuba abendhlu ka Israeli nabendhlu ka Juda ba ngi patisile okomdimbili, u tyo uJehova.

12 Ba m pikile uJehova, ba ti, Ka seko; a si yi kwehlelwa usizi; a si yi kubona inkemba nendhlala.

13 Abaprofeti ba ngumoya, izwi a li ko kubo; a ku be njalo kubo.

14 Ngako u tyo uJehova, uTixo wamabandhla, u ti, Loku ni tyilo lelizwi, bhaka, ngi ya kwenza amazwi ami a be umlilo emlonjeni wako, ngi benze laba bantu ba be izinkuni, u ya kubadhlala.

15 Bhekali, nina bendhlu ka Israeli, ngi ya ku ni fikela nesizwe sa kude, u tyo uJehova; si isizwe esi namandhla, si isizwe sa sendulo si isizwe e si lulimi u nga lwazi, u ngezwe aba ku kulumayo.

16 Iika labo lemiecibityolo li njengetuna elivulekileyo, ba amaqawe bonke.

17 Ba ya kudhla amabele ako nokudhla kwako; ba ya kudhla amadodana ako, namadodakazi ako; ba ya kudhla izimvu zako nezinkomo zako; ba ya kudhla ivini lako nomkiwane wako; ba ya kucita ngenkamba imizi yako evikelweyo, o ba temba kuyo.

18 Kepa na nga lezozinsuku a ngi yi kuniqeda impela, u tyo uJehova.

19 Ku za kuti nxa ni tyo ukuti, U senzeleleni konke loku uJehova uTixo wetu? kona u ya kupendula a ti kubo, Loku ni ngi delile, na konza otixo bezizwe ezweni la kini, ko ba njalo, ni ya kukonza abezizwe ezweni eli nge silo elenu.

20 Yityoni loku kwa Jakobe, ni ku memezele kwa Juda, ni ti,

21 Yizwani loku, mina bantu aba izi-ula, aba nge nakuqonda; ba namehlo, kepa a ba boni; ba neziudhlebe kepa a bezwa.

22 A ni yi kungesaba na; u tyo uJehova; a ni yi kututumela pambi kwami ini, mina enga beka isihlabati si be umkaulo wolwandhle, umkaulo opakade, olu nge dhlule kuwo? noma amaza alo e guba, a ngenze luto; noma e duma, a nge dhlule kuwo.



23 Kepa lababantu ba nenhliziyo ehlobukayo nepikayo; ba hlubukile bemuka.

24 A ba tyo euhliziweni yabo ukuti, Si ya kumesaba uJehova uTixo wetu opayo invula, eyokuqala neyamuva ngesikati sakayo, a si geinele amasonto a misiwewo okuvuna.

25 Izipambuko zenu zi ni tyele lezi-zinto, izono zenu zi ni vimbele okuhle.

26 Ngokuba ku funyanwa ababi pakati kwabantu bami; ba kotama njengokuqamela kwabacupayo; ba beke ugibe, ba bambe abantu.

27 Njengendhlu yezinyoni i gewele izona ku njalo izindhlu zabo zi gewele imfuyo edhliweyo; ngaloko ba abakulu nabacebileyo.

28 Ba kulupele, ba ya kanya; ba gewele imisebenzi emibi; a ba kulumeli izintandane emacaleni azo, noko ba nenhlanihla; a ba ba meli abampofu ngomteto.

29 Nga ngi nga ba tyayi ngaloku ini? u tyo uJehova; umpfumlo wami nga u nga pindiseli esizweni esi nje na?

30 Kwenziwe ezweni into e isimangaliso nesabekayo.

31 Abaprofeti ba ya profeta amanga, nabaprofeti ba hlanguyela nabo, nabantu bami ba tanda ukuba ku be nje; kepa ni ya kwezani ekupeleni?

### ISAHLUKO 6.

**P**UMANI eJerusalema nina bantwana baka Benjamini, ni baleke, ni tyaye itilongo eTekoa, ni mise isiboniso eBethakeremi, ngokuba ku ye za ekubi, ku vela enyakato, nokucita okukulu.

2 Wena Ndodakazi ka Zion, u idhlelo, eli patwa kahle.

3 Abalusi ba ya kuza kuyo nemihlambi yabo; ba ya kumisa otente babo ngakuyo inxa zonke, baluse ilowo endaweni yake.

4 Lungiselani ukulwa nayo; sukani, senyuke emini; nako kitha, ngokuba ilanga li pendukile, a ya geba amatunzi okuhlwa.

5 Sukani, senyuke ebusuku, si cite izigodhlo zayo.

6 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla u ti, Gaulani imiti yayo, ni biyele iJerusalema ngotango; iwo umuzi o za kutyaywa; ku kona ukuhlupa kodwa kuwo.

7 Njengomtombu u mpompoza amanzi, kunjalo nawo u mpompoza ukona kwawo; ku zwakala kuwo ukupanga

nokucita, ku kona ukufa, namanxeba pambi kwami njalonzalo.

8 A ku lulekwe, Jerusalema, funa inhliziyo yami i ku dele; funa ngi kwenze u be ihlane, izwe eli ngakiwe muntu.

9 U tyo uJehova wamabandhla u ti, Ba ya kukotoza insali ka Israeli njengevini; buyisa isandhla sako njengomvuni e si buyisela ezimbegeni.

10 Ngi ya kukuluma kobani, ngi qinise, ba ze bezwe? bheka, indhlebe yabo a i sokile, ba nge lalele; bheka, izwi lika Jehova li jivazwa ibo, a ba li tandi.

11 Ngi gewele ulaka luka Jehova; ngi katele ukuzitiba; lu tele kubantwana ngapandhle na sebandheleni lezinsizwa kanyekanye; indoda i ya kutatyatwa kanye nomikayo, onidala naye opele ngezinsuku.

12 Izindhlu zabo zi ya kunikelwa kwabanye, amazwe abo nabafazi babo kanyekanye, ngokuba ngi ya kuselulela isandhla sami kubantu ba lelizwe, u tyo uJehova.

13 Ngokuba be panga bonke, abancinyane nabakulu; abaprofeti nabaprofeti, ba ya kohlisa bonke.

14 Ba sindisa kancane ingozi yendodakazi yabantu bami, be ti, Ukutula, ukutula, kepa a ku ko ukutula.

15 Ba nga ba namahloni, ngokuba benzile okuzondekayo, kepa a ba nawo amahloni nakanye, a ba kwazi ukujaba; ngako ba ya kuma nabawayo, ngesikati sokubahambela kwami, ba ya kukubeka, u tyo uJehova.

16 U tyilo uJehova wa ti, Yimani ezindhleleni, ni bheke, ni buze izindhlele za sendulo, ukuba i ipi indhlele elungileyo, ni ze ni hambe ngayo, ni tolele imipfumlo yenu ukupumula; kepa ba ti, A si yi kuhamba ngayo.

17 Nga ni misela abalindi, ngi ti, Lalelani ukukala kwetilongo; kepa ba ti, A si yi kulalela.

18 Ngako yizwani, nina zizwe; yazi, wena inhlanguano, ukuba ku intoni pakati kwenu.

19 Yizwa, mhlaba! Bheka, ngi zisa okubi ku lababantu, izitelo zamacebo abo, ngokuba be nga lalanga amazwi ami, nomteto wami, ba u delela.

20 Ngi nomsebenzi muni nempepo e vela eSheba, nekane elihle eli vela ezweni eli kude? iminikelo yenu yokutya a i tandeki, nemihlatyelo yenu a i mnanandi kimi.

21 Ngaloko u tyo uJehova u ti, Bheka,

ngi ya ba bekela lababantu izikubekiso, oyise namadodana ba ya kukubeka ndawonye pezu kwazo; abakeleneyo ba ya kufa.

22 U tyo uJehova u ti, Bheka, ku ye za abantu be vela ezweni la senyakato, isizwe esikulu si puma emikaulweni yomhlaba.

23 Ba ya pata umeibityelo nomkonto; ba nonya, be ngenamusa; umswindo wabo u dumisa okolwandhle, ba kwele emahashini, be hleliwe njengabantu be hlelwele ukulwa, ba hlasela kuwe, ndodakazi ya seZioni.

24 Si zwile udumo lwabo; izandhla zetu zi butakataka, si banjwa izinsizi, nobuhlungu njengomfazi obeletayo.

25 Ni nga pumeli endhle, ni nga hambani endhleleni, ngokuba ku kona isinkemba sesita nokwesabeka inxa zonke.

26 Ndodakazi yabantu bami, gqoka indwangu yamasaka, u bukuzeke emloteni; yenza isililo njengesomtwana o yedwa, ukukala okubabayo, ngokuba umpangi u ya kusizuma.

27 Ngi ku bekile u be umlingi ebantwini bami, aba itye legolide, ukuba wazi u linge indhlela yabo.

28 Bonke ba ngabahlubuki abakulu, abahlebi, itusi nensimbi; bonke ba ngabacitayo.

29 Imfuto i ya tya, ku puma umtufu emlilweni wayo; umncibilikisi u ya ncibilikisa ngeze; ababi a ba kitywa.

30 Ku tiwa ba isiliva elidelelekileyo, ngokuba uJehova e ba delele.

### ISAHLUKO 7.

**I**ZWI eleza kuJeremia li vela kuJehova li ti,

2 Yima esangweni lendhlu ka Jehova, u memezele kona lelizwe, u ti, Yizwani izwi lika Jehova, nina nonke ba kwa-Juda, eni ngenile ngalawamasango ukuba ni m dumise uJehova.

3 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Lungisani ukuhamba kwenu nemisebenzi yenu, kona ngi ya kunakisa ku lendawo.

4 Ni nga tembi lawamazwi amanga okuti, Loku ku itempeli lika Jehova, iko itempeli lika Jehova, iko itempeli lika Jehova.

5 Kepa uma ni lungisisa ukuhamba kwenu nemisebenzi yenu, uma ni pata-na ngokomteto.

6 Uma ni nga hlupi owezizwe, nenta-

ndane, nomfelokazi; ni nga citi igazi eli nge nacala ku lendawo, ni nga landeli abanye otixo ni ze nonakale;

7 Kona ngi ya kunakisa ku lendawo, ezweni enga li nika oyihlo benu, ku ze ku be pakade.

8 Bheka, ni yetemba amazwi amanga a nge nakusiza.

9 Ni ngeba ini, ni bulale, ni pinge, ni funge amanga, ni m tyisele uBali impepo, ni landele abanye otixo eni nga baziyo?

10 Ni ze ni me pambi kwami ku lendhlu, e bizwa ngegama lami, ni ti, Si kululekile ukuba senze konke loku okunengekayo?

11 Imbula lendhlu e bizwa ngegama lami, se i umhume wabapangi emehlweni enu na? Bheka, nami ngi bonile, u tyo uJehova.

12 Kepa hambani ni ye endaweni yami e seShilo, lapo nga misa kona igama lami kuqala, ni bone engi kwenzileyo kuyo ngenxa yokona kwabantu bami abaIsraeli.

13 Kaloku, ngokuba ni yenza yonke lemisebenzi, u tyo uJehova, ngi kulumile kini, nga qinisa, kepa a ni zwanga; nga ni biza, a ni sabelanga.

14 Ngako ngi ya kwenza ku lendhlu e bizwa ngegama lami, eni temba kuyo, na ku lendawo enga ni nika nina nuyihlo benu, njengaloku ngenza eShilo.

15 Ngi ya kunixotya ebusweni bami, njengaloku nga xotya abafu wenu bonke, inzalo yonke ka Efraimi.

16 Ngako u nga ba kulekeli lababantu, u nga ba kaleli, u nga ba celeli, u nga nxusi kimi, ngokuba a ngi yi kukuzwa.

17 A u boni ini aba kwenzayo emizini ka Juda na sezindhleleni za seJerusalem?

18 Abantwana ba teza izinkuni, oyise ba basa umlilo, abafazi ba xova inhlama, benzele inkosikazi yezulu izinkwana, ba telele abanye otixo iminikelo yokupuza, ukuba ba ngi cunule.

19 Ba ngi cunula mina na? u tyo uJehova. A ba zicunula bona ini ba ze ba jabe?

20 Ngako iNkosi uJehova u tyo u ti, Bheka, ulaka lwami nokutukutela kwami ku ya kutelwa ku lendawo, ebantwini, na sezinkomeni, na semitini ya sendhle, na sezitelweni zomhlaba, ku vute ku nga cinywa.

21 U tyo uJehova wamabandhla,

uTixo ka Israeli, u ti, Tabatani iminike-  
lo yenu yokutya kanye nemihlatyelo  
yenu, ni dhle inyama.

22 Ngokuba a ngi kulumanga noyi-  
hlo benu, a ngi ba yalanga ngeminike-  
lo yokutya nemihlatyelo msukwana  
ngi ba kipa ezweni la sEgipite.

23 Kepa nga ba yalela loku, nga ti,  
Lalalani izwi lami, ngi be uTixo wenu,  
ni be abantu bami, ni hambe ngezi-  
ndhlela zonke engi ni yalela zona, ukuze  
ku be kuhle kini.

24 Kepa a ba lalelanga, a ba bekanga  
indhlebe yabo; ba hamba ngamacebo  
abo, ngobulukuni benhliziyo embi yabo,  
ba fulatela be nga bheki pambili.

25 Iloku oyihlo ba puma ezweni la  
sEgipite ku ze ku be namhla ngi tumile  
izinceku zami zonke, abaprofeti, imihla  
ngemihla ngokuqinisa.

26 Kepa a ba ngi lalelanga, a ba be-  
kanga indhlebe; benza intamo yabo i be  
lukuni, bona kakulu ku noyise babo.

27 Noma u kuluma kubo lawamazwi  
onke, a ba yi kukuzwa; u nga ba biza,  
kepa a ba yi kusabela kuwe.

28 U ya kutyo kubo u ti, Lesi si isizwe  
esi nga laliyo izwi lika Jehova, uTixo  
waso, si nga vumi ukululekwa; iqiniso  
li nyamalele li nqamukile emlonyeni  
waso.

29 Gunda izinwele zako, Jerusalema,  
u zi lahle; wenze isililo ezindaweni ezi-  
pakemeyo, ngokuba uJehova u si dubile  
wa si lahla isizukulwane solaka lwake.

30 Ngokuba abantwana baka Juda  
benzile okubi pambi kwami, u tyo uJe-  
hova; ba bekile okunengekayo endhlini,  
e bizwa ngegama lami, ukuba ba ingco-  
lise.

31 Bakile izindawo ezipakemeyo za  
seTofeti, eli sesihlanjani sika Benhino-  
mi, ukuba ba tyise amadodana abo na-  
madodakazi abo ngomlilo into engi nga  
ba yalalanga yona, ka i ngenanga enhli-  
ziyweni yami.

32 Ngako bheka, ku yeza izinsuku, u  
tyo uJehova oku nga sa yi kutiwa ngazo  
iTofeti, neSihlambo sika Benhino-  
mi, kodwa ku ya kutiwa iSihlambo sokubu-  
lawa; ku ya kumbelwa eTofeti ngokuba  
ku nge ko enje indawo.

33 Izidumbu za lababantu zi ya kuba  
ukudhla kwezinyoni zomkati nokwezi-  
lwane zomhlaba, ku nga bi ko muntu o  
zetusayo.

34 Ngi ya kutulisa emizini ya kwaJu-  
da na sezindheleni za seJerusalema

izwi lokwenama nezwi lokutokoza, izwi  
lomyeni, nezwi lomlobokazi, ngokuba  
izwe li ya kuciteka.

## ISAHLUKO 8.

**N**GA lesosikati, u tyo uJehova, ba ya  
kukipa ematuneni amatambo ama-  
kosi a kwaJuda, namatambo ezikulu,  
namatambo abapristi, namatambo aba-  
profeti, namatambo abantu ba seJerusa-  
lema.

2 Ba weneke elangeni na senyangeni,  
na sebandhlani lonke la sezulwini, otixo  
aba ba tandayo, ba ba konza, ba ba  
landela, ba ba funa, ba kuleka kubo; a  
ka yi kubutwa, a ka yi kumbelwa; a ya  
kuba uniquba emhlabeni.

3 Ukufa ku ya kuketwa ku nokupila  
ibo bonke abensali yabaseleyo ku lesisi-  
zwe esibi, be sele ezindaweni zonke lapo  
ngi ba xotyele kona, u tyo uJehova wa-  
mabandhla.

4 Yityo kubo ukuti, uJehova u tyo  
u ti, Abantu ba ya wa ba nga buyi ba  
vuke na? umuntu u ya hlubuka a nga  
buyi a buye na?

5 Po, lababantu ba seJerusalema ba  
hlubukelani ngokuhlubuka okupakade?  
ba bambelele kuyo inkohliso, bale uku-  
buya.

6 Nga lalela, ngezwa; a ba kulumi ka-  
hle; a muko umuntu o pendukayo ngo-  
kona kwake, e ti, Ngenzeni? bonke ba  
buyela ekuhambeni kwabo, njengehashi  
li gjimela empini.

7 Indwa ya semoyeni i yazi izikati  
zayo ezimisiweyo; amajuba namajiya-  
nkomo nezinkonjane zi geina isikati so-  
kubuya kwazo, kepa abantu bami a ba  
wazi umteto ka Jehova.

8 Po, ni tyoloni ukuti, Si hlakani-  
pile, umteto ka Jehova u nati. Bheka,  
imbala uti lwamanga lwababali lwezile  
amanga.

9 Abahlakanipileyo ba jabile, besaba  
ba banjwe; bheka, ba dubile izwi lika  
Jehova; ba nokuhlakanipa kuni na?

10 Ngako abafazi babo ngi ya kubani-  
ka kwabanye, namasimu abo kwababa-  
ngobayo, ngokuba be panga bonke aban-  
ciniyane nabakulu, abaprofeti naba-  
pristi, bonke ba kohlisa,

11 Ba sindisa kancane ingozi yendoda-  
kazi yabantu bami, be ti, Ukutula, uku-  
tula, kepa akuko ukutula.

12 Nga be namahloni, ngokuba benzile  
okuzondekayo, kepa a ba nawo amahloni  
na kanye, a ba kwazi ukujaba; ngako

ba ya kuwa nabawayo; ngesikati soku hanjelwa kwabo ba ya kukubeka, u tyo uJehova.

13 Ngi ya kubaqeda impela, u tyo uJehova; a ku yi kubako amavini evinini, namakiwane emkiwaneni, ku ya kuvutuluka amaqabunga; ngi ya kubanika ababadhlulayo.

14 Si hlalalani na? butanani, a si ngenne emizini e vikelweyo, si tule kona, ngokuba uJehova uTixo wetu u si tulisile, u si puzisile amanzi obuti, ngokuba sonile kuJehova.

15 Sa temba ukutula, kepa a ku bangako okuhle; sa temba isikati sokupila, kepa bheka usizi.

16 Ku zwakele eDani ukukala kwamahashi ake; izwe lonke li tutumela ngokuhlokoma kokukala kwamahashi ake a namandhla; beza ba qeda izwe nako konke oku kulo, umuzi nabake kuwo.

17 Ngokuba, bheka, ngi ya kutuma izinyoka kini, amabululu, ezi nga ungekiyo, zi ya kuniluma, u tyo uJehova.

18 Ukwenama kwami ku usizi, iuhlizyo yami i pelamandhla.

19 Nanti izwi lokukala kwendodakazi yabantu bami, li vela ezweni eli kude, li ti, uJehova a ka ko eZioni na? inkosi yabo a i ko kulo na? ba ngi eunuleleni ngezitombe zabo, na ngoku ize kwabezi- zwe?

20 Ukuvuna ku pelile, ihlobo li dhlulile, kepa tina a si sindisiwe.

21 Ngengozi yendodakazi yabantu bami ngi ngengozi, ngi ya lila ngi banjwe okwesabekayo.

22 A ku ko ibalsamu eGiladi na? a ku ko inyanga kona na? Po, a i sindiswa ngani indodakazi yabantu bami na?

### ISAHLUKO 9.

**K**U nga ti ikanda lami be li ngamanzi, K namehlo ami a be umtombo wezinnyembezi, ukuba ngi kale emini na sebusuku ngababuleweyo bendodakazi yabantu bami.

2 Ku nga ti nga ngi nendawo ehlane yoku ba ku ngenise izihambi, ukuze ngi ba shiye abantu bami, ngi muke kubo; ngokuba be ngabapingi bonke, ibandhla lamashinga.

3 Ba goba ulimi lwabo, umeibityolo wabo wokukohlisa; a bahluli ngeqiniso emhlabeni, kepa ba suka ekoneni, ba ye ekoneni, a ba ngazi mina, u tyo uJehova.

4 Xwayanani, ni ngetembi namunye kubafo wenu, ngokuba abafu wenu bonke ba ya kohlisa, nabo bonke abakeleneyo ba ya hlebana.

5 Ba kohlisana, a ba kulumi iqiniso; ba fundisile ulimi lwabo ukukuluma amanga, ba diniwe ngokwenza okubi.

6 Ukwaka kwako ku pakati kwenkohliso; ngenkohliso ba yala ukungazi, u tyo uJehova.

7 Ngako u tyo uJehova wamabandhla u ti, Bheka ngi ya kubancibilikisa, ngi ba linde, ngokuba ngi ya kwenzenjani ngenxa yendodakazi yabantu bami?

8 Ulimi lwabo lu umeibi yolo wokubulala; ba kuluma inkohliso; ngomlomo ba kuluma kahle nabakelene nabo, kepa ngenhliziyo ba ya cupa.

9 Nga ngi nga ba tyayi nga loku na? u tyo uJehova; umpefumlo wami, nga u nga pindiseli esizweni esi nje na?

10 Ma ngi kale, ngi bubule ezintabeni, ngi lile emadhlelweni a sehlane, ngokuba a citekile ku nge ko muntu o hamba kuwona; a kezwa ukukonya kwezinkomo, ku balekile nezinyoni zomkati nezilwane, zi mukile.

11 Ngi ya kulenza iJerusalem li be izinqwaba zamatye, indawo yamanke-ntyane; ngi ya kucita imizi ya kwa Juda, i nga bi namuntu.

12 Umupi umuntu ohlakanipileyo, o qonda loku na? ubani lo o kulume kuye umlomo ka Jehova, ukuze a ku tyo? izwe la citekelani, lonakala njengogwadule; ku nga bi ko muntu odhlulayo?

13 uJehova wa ti, ngokuba be shiyile umteto wami, enga u beka pambi kwabo, a ba lalalanga izwi lami, a ba hambanga ngalo;

14 Ba landela ubulukuni benhliziyo yabo, noBalami, aba ku fundiswa oyise babo;

15 Ngako u tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya kubadhliisa lababantu umhlonnyane, ngi ba puzise amanzi obuti.

16 Ngi ya kubahlakazela ezizweni, aba nga zaziyo bona noyise babo; ngi ya kutuma inkemba emva kwabo, ngi ze ngi ba qede.

17 U tyo uJehova wamabandhla, u ti, Qondani, ni bize abesifazana besililo, ukuba beze; tumani ni bize abesifazana abahlakanipileyo ukuba ba fike;

18 Ba tyetye, ba si lilele ukuba amehlo etu a pume izinyembezi, nezinkope zetu zi vume amanzi.

19 Ngokuba ku zwakele izwi lokulila li vela eZioni, li ti, Yeka, ukuciteka kwetu, si jabile kakulu, ngokuba si shiyile izwe, ngokuba be bidhlizile izi-ndhlu zetu.

20 Kepa yizwani izwi lika Jehova, nina besifazana, indhlebe yenu a yamkele izwi lomlomo wake; fundisani amantonbazana enu ukulila, ni fundisane ukukala.

21 Ngokuba ukufa ku yeza ezibukweni zetu, ku ngena ezigodhlweni zetu, ku qedile abantwana aba nga pandhle nezinsizwa ezi sezindhleleni.

22 Kuluma u ti; U tyo uJehova; Izi-dumbu zabantu zi ya kuwa njengomquba emhlabatini, na njengezixa zamabele emva kovunayo, ku nga bi ko obutayo.

23 U tyo uJehova u ti, Ohlakanipileyo ka nga zigabisi ngokuhlakanipa kwake, nonamandhla ka nga zigabisi ngamandhla ake, nofuyileyo ka nga zigabisi ngemfuyo yake.

24 Kodwa o zigabisayo ka zigabise nga loku, ngokuqonda na ngokungazi ukuti, ngi nguJehova owenza ubunene, ukwahlula nokulunga emhlabeni, ngokuba ngi tanda loku, u tyo uJehova.

25 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kutyaya ngazo bonke abasokileyo ejwabini;

26 Aba sEgipite naba kwaJuda, naba kwaEdomi, naba ka Amoni naba ka Moabi; nabo bonke abapuculwa izilevu, emacaleni, abakile ehlane; ngokuba lezi zizwe zonke a zi sokile, nayo youke indhlu ka Israeli a i sokile ngenhliziyo.

ISAHLUKO 10.

**Y**IZWANI izwi a li tyiloyo kini, nina ba kwaIsraeli.

2 U tyo uJehova u ti, Ni nga fundi indhlela yabezizwe, ni ngesabi izibonakaliso za sezulwini, ngokuba abezizwe ba ya zesaba.

3 Imikuba yabantu i ize, ku gaulwa umuti ehlatini, umsebenzi wezandhla zombazi, ngembazo.

4 Ba u hlobisa ngesiliva negolide, ba u betela ngezipikili na ngezando, ukuba u nga zamazami.

5 Lezizitombe zi njegezinsika ezibaziweyo, a zi kulumi; zi ya twalwa, ngokuba a zi nakuhamba; ni nga zesabi, ngokuba zi nge kwenze okubi, futi a zi nakwenza okuhle.

6 A mu ko o ngangawe, Jehova, Zulu, Jeremiah.

u mkulu, negama lako li kulu ebukosini.

7 Ubani o nge kwesabe wena, Nkosi yezizwe, ngokuba ku ngokwako; kubo bouke abahlakanipileyo bezizwe, na kuyo yonke imibuso yabo, a muko o ngangawe.

8 Kodwa ba izipukupuku neziula bonkana, ukufundisa oku ize, ku ngumuti.

9 Ku letwa izingqweqwe zesiliva zi vela eTarshishi, negolide li vela eUfazi, umsebenzi womkandi nowezandhla zombumbi; zi gqokiswa okuluhlaza nokubomvu, zonke zi umsebenzi wabalumbi.

10 Kepa uJehova u uTixo impela, u uTixo opilayo, neNkosi ya pakade; umhlaba u ya tutumela ngolaka lwake, izizwe zi nge me ekutukuteleni kwake.

11 (Yityoni kubo ni ti, Otixo aba ngenzanga izulu nomhlaba ba ya kupela emhlabeni na ngapansi kwezulu leli.)

12 Wenza umhlaba ngamandhla ake, wa misa izwe ngokuhlakanipa kwake, weneka izulu ngokuqonda kwake.

13 Ngokuduma kwezwi lake ku kona amanzi maning ezulwini, u kupula inkungu emikaulweni yomhlaba; u yenza unyazi nemvula; u ya kipa umoya ezibekelweni zake.

14 Abantu bonke ba izipukupuku, a ba nakwazi; bonke ababumba izitombe ba jabile, ngokuba izitombe zabo zi ngamanga, a ku ko moya kuzo.

15 Zi ize, umsebenzi wenkohliso; ngesikati sokuhanjelwa kwazo zi ya kupela.

16 O isabelo sika Jakobe a si njengazo; ngokuba yena u ngumenzi wezinto zonke, uIsraeli u uhlanga lwefa lake; igama lake uJehova wamabandhla.

17 Tabata untwalo woko emhlabatini, wena muntu ohlupekayo.

18 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya ntyinga abantu ba lelizwe nga lesisikati, ngi ba cindezele, ukuba ba ku fumane.

19 Nako kimina ngokuciteka kwami, ingozi yami i yesabeka; kepa nga ti, impela loku ku usizi lwami, ngi ya kuqiniseka loku.

20 Utente wami u citekile; zonke izintambo zami zi gqabukile; abantwana bami ba ngi shiyile, ka ba se ko; a ku se ko namunye wokwelula utente wami nokumisa amasaili ami,

21 Ngokuba abalusi ba izipukupuku, a ba funisisi uJehova; ngako a ba na-

nhlanhla, umhlambi wonke wabo u hla-kazekile.

22 Bheka, ku zwakele indaba nomsindo omkulu o vela ezweni la senyakato, ku ti, imizi ya kwaJuda i ya kuba ihlane, indawo yamankentyane.

23 Ngi yazi, Jehova, ukuti indhlela yomuntu a siyo eyake; a si ko okomuntu ohambayo ukuqondisa ukuhamba kwake.

24 Ngi luleke, Jehova, kepa ngokufaneleyo kodwa, ku nga bi ngolaka lwako, funa u ngenze ngi nga bi into yaluto.

25 Tela ulaka lwako ezizweni, ezi nga kwaziyo, na kwabemideni aba nga kuleki egameni lako, ngokuba be dhlile uJakobe, yebo, ba mu dhla ba m qeda, ba cita ikaya lake.

### ISAHLUKO 11.

**I**ZWI ela fika kuJeremia, li vela kuJehova li ti,

2 Yizwani amazwi a lesisivumelwano, ni kulume kubantu ba kwaJuda na kwabakileyo eJerusalema,

3 U ti kubo, U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Ka tukwe lomuntu o nga laleli amazwi a lesisivumelwano,

4 E nga ba yalela sona oyihlo, msukwana ngi ba kipa ezweni la sEgipite, eziko lensimbi, ngi ti, Lalelani izwi lami, ni lenze ngako konke engu ni yalela kona, kona ni ya kuba abantu bami, ngi be uTixo wenu;

5 Ukuba ngi qinise isifungo engu si fungayo koyihlo sokuti, ngi ya kubanika izwe, eli vama ubisi nezinyosi, njengamahlala. Nga se ngi pendula ngi ti, Amen, Jehova.

6 uJehova wa ti kimi, Memezela onke lawamazwi emizini ya kwaJuda, na sezindhleleni za seJerusalema, u ti, Yizwani amazwi a lesisivumelwano ni wenze.

7 Ngokuba nga qinisa impela koyihlo benu, msukwana ngi ba kipa ezweni la sEgipite ku ze ku be namhlala, nga qinisa nga ti, Lalelani izwi lami.

8 Kepa a ba lalalanga, a ba bekanga indhlebe yabo; bonke ba hamba ngobulukuni bezindhliziyo zabo ezimbi; nga leta kubo onke amazwi a lesisivumelwano, engu ba yala ukuba ba wenze, kepa a ba wenzanga.

9 UJehova wa ti kimi, Ku funyanwa icebo ebantwini ba kwaJuda, na kwabake eJerusalema.

10 Se be buyele ezonweni za oyise babo, abala ukuzwa amazwi ami; ba landele abanye otixo, ukuba ba ba konze; aba kwaIsraeli naba kwaJuda beqile isivumelwano engu senza noyise babo.

11 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kuleta kubo okubi, aba nga yi kuba nakupuma kuko; ba ya kukala kimi, kepa a ngi yi kubezwa.

12 Kona imizi ya kwaJuda, nabake eJerusalema ba ya kuya ba kale kotixo, aba ba tyisela impepo; kodwa a ba yi kubasindisa ngesikati sokuhlupeka kwabo.

13 Ngokuba njengobuningi bemizi yako ba ngako notixo bako, Juda; na njengobuningi bezindhlela za seJerusalema, ni misele izitombe amalati, amalati okutyisela uBali impepo.

14 Ngako u nga ba kulekeli lababantu, u nga ba kaleli, u nga ba nxuseli, ngokuba a ngi yi kubezwa msukwana be kalayo kimi ngokuhlupeka kwabo.

15 Otandekayo wami u nonisebenzi muni endhlini yami ukwenza amanyala? ukunxusa nenyama engewele i nga susa okubi kuwe na? kona u nga tokoza.

16 uJehova wa qamba igama lako Umhlwati oluhlaza, obukekayo, u nezitelo ezihle; ngokuhlokomo kokuduma okukulu wa u tyisa, kwa puka amagatya awo.

17 uJehova wamabandhla, owa ku tyalayo, u tyilo okubi ngawe, ngenxa yokubi kwaba kwaIsraeli nokwaba kwaJuda, aba zenzela okubi ngako, be ngi cunula, ba tyisela uBali impepo.

18 uJehova wa ngi bonisa, nga bona; kona wa ngi tyengisa imisebenzi yabo.

19 Kepa nga ngi njengemvu etambileyo, e yiswa ekuhlityweni, be ngi nga qondi ukuti ba ngi cebele amacebo, be ti, A si qede umuti nezitelo zawo; a si m nqamule ezweni labapilayo, ukuba igama lake li nga be li sa kunjulwa.

20 Kepa uJehova wamabandhla u yahlula ngokulunga; u ya linga izibilini nenhliziyo; ngi ya kubona ukupindisa kwako kubo, ngokuba ngi bekile icala lami kuwe.

21 Ngako u tyo uJehova ngabantu ba seAnatoti aba funa ukukubulala, be ti, U nga profeti ngegama lika Jehova, funa u fe ngesandhla setu.

22 Ngako u tyo uJehova wamabandhla, u ti, Bheka, ngi ya kubatyaya, izinsizwu zi ya kufa ngenkamba; amadodana abo namadodakazi abo a ya kufa ngendhlala.

23 A ku yi kusala namunye kubo, ngokuba ngi ya kubehlisela abantu ba seAnatoti okubi ngomnyaka wokutyaywa kwabo.

ISAHLUKO 12.

**U**FUNGILE wena, Jehova, nxa ngi pikisana nawe; ngi ya kukuluma nawe ngokwahlula kodwa. Ukuhamba kwababi ku neuhlanhla ngani na? bonke ondimbili ba hlezi kahle ngani na?

2 U ba tyalile, ba gxilile; ba ya kula, ba ya tela izitelo; u seduze nemilonio yabo, kepa u kude nemibilini.

3 Wena, Jehova, u ya ngazi; u ngi bonile, u ngi lingile inhliziyo yami ukuba i njani kuwe; ba kipe ngengezinvu zokuhlatywa, u ba lungisele usuku loku-hlatywa.

4 Izwe li ya kudabuka ku ze ku be nini, ku bune okuluhlazi kwamasimu onke? ngenxa yokona kwabakileyo kulo, izinkomo nezinyoni zi ya qedwa; ngokuba be ti, a ka yi kubona ukupela kwetu.

5 Uma u gijimile nabezinyawo, ba ku kataza, u ya kuncintisana kanjani namahashi? na sezweni elitulileyo wa hla-la kahle, kepa u ya kwenza ujani ekukumaleni kweJordani?

6 Ngokuba nabafo wenu nabendhlu ka yihlo, nabo ba ku pete ngobundimimbili; ba ku landele ngezwi elikulu: u nga betembi, noma be kuluma okuhle kuwe.

7 Ngi shiyile indhlu yami, ngi lahlile ifa lami, ngi nikile otandwa umpfumlo wami eziteni zake.

8 Ifa lami li njengengonyama e sehlatini kimi; li ngi konyele, ngako ngi li zondile.

9 Ifa lami li inyoni e maqapaqapa kimi, izinyoni ezi kona zi ya i vukela; hambani, ni bute izilo zonke za sendhle, ni zi lete ukuba zi dhle.

10 Abalusi abaningi ba qedile isivini sami, ba nyatele isabelo sami, benzile isabelo sami esihle si be ugwadule olu nge naluto.

11 Ba si citele; si kala kimi, si citekile, Izwe lonke li citekile ngokuba ku nge ko o nakekelayo ngenhliziyo.

12 Abapangi ba fikile ezintabeni zonke za sehlane, ngokuba inkemba ka Jehova i ya qeda izwe lonke, ku suka komunye umkaulo ku ze ku fike komunye, ku nga bi ko mutu otulayo.

13 Ba tyalile amabele, kodwa ba ya kuvuna ameva; ba zikatazile, kodwa a ba yi kusizwa ngaluto; ni ya kujaba ngenzuzo yenu ngenxa yolaka olufutayo luka Jehova.

14 U tyo uJehova ngabo bonke abakelene nami, ababi, aba hlasela ifa, enga li nika abantu bami, abaIsraeli, u ti, Bheka, ngi ya kubakipa ezweni la kubo, naba kwa Juda ngi ya kubakipa ngapakati kwabo.

15 Ku ya kuti, se ngi ba kipile, ngi ya kubuya, ngi ba haukela, ngi ba buyisele, ku be ilowo efeni lake na sezweni la kubo.

16 Ku ya kuti, uma be fundisisa indhlela yabantu bami, ba funge igama lami, be ti, uJehova u ya pila, njengaloku be fundisile abantu bami ukufunga uBali, kona ba ya kubekwa pakati kwabantu bami.

17 Kepa uma be ngezwa, ngi ya kusikipa impela lesosizwe, ngi si qede, u tyo uJehova.

ISAHLUKO 13.

**U**TYO uJehova kimi, u ti, hamba, u zitengele ibande lelineni, u li fake ezinkalweni zako, u nga li cwilisi emanuzini.

2 Nga li zuza ibande njengezwi lika Jehova, nga li faka ezinkalweni zami.

3 La buya la fika kimi izwi lika Jehova ngokwesibili, li ti,

4 Tabata ibande o li tengileyo, eli sezinkalweni zako, u suke, u ye eUfrate, u li fihle kona ofanteni lwetye.

5 Nga ya nga li fihla ngaseUfrate, njengokutyo kuka Jehova kimi.

6 Kwa ti emva kwezinsuku eziningi, uJehova wa ti kimi, Suka u ye eUfrate, u suse kona ibande, enga ku yala ukuba u li fihle kona.

7 Nga se ngi ya eUfrate, ngemba, nga li susa ibande ku leyondawo lapo be ngi li fihlile kona; kepa bheka, ibande la lonakele, li nga fanele luto.

8 Kona izwi lika Jehova la fika kimi li ti,

9 U tyo uJehova u ti, Ku njalo ngi ya konakalisa ukuzidhla kuka Juda nokuzidhla okukulu kweJerusalem.

10 Lababantu ababi abala ukuzwa amazwi ami, aba hamba ngobulukuni behliziyo yabo, ba landela abanye otixo ukuba ba ba konze, ba ba dumise, ba ya kuba njenga lelibande eli nga fanele luto.

11 Ngokuba njengebande li namatele ezinkalweni zomuntu, ngi namatelse kimi indhlu yonke ka Israeli, nendhlu yonke ka Juda, u tyo uJehova, ukuba ba be abantu lami, negama, nodumo, nobuhle, kepa a ba lalalanga.

12 U ya kutyo kubo lelizwi lokuti, U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Izimvaba zonke zi ya kugewaliswa nge-waini. Ba ya kuti kuwe, Impela a sazi ini ukuti, izimvaba zonke zi ya kugewaliswa nge-waini?

13 Kona u ya kutyo kubo u ti, U tyo uJehova u ti, Bheka, bonke abakileyo kulelizwe, namakosi a hlala esihlalweni sobukosi sika Davida, nabapristi, nabaprofeti, nabo bonke abakileyo eJerusalema, ngi ya kubagewalisa ngokudakwa.

14 Ngi ba pohlozanise, umuntu nomfo wabo, oyise nabantwana babo ndawonye, u tyo uJehova. A ngi yi kuba namusa, a ngi yi kubahaukela, a ngi yi kubadabukela, ukuba ngi nga ba citi.

15 Yizwani ni lalele, ni nga zidhli, ngokuba uJehova u tyilo.

16 Dumisani uJehova, uTixo wenu, e nga kenzi ubumnyama, izinyawo zenu zi nga ka kubeki ezintabeni zobumnyama, ni sa hlalala ukukanya, a ku pendule ku be itunzi lokufa, a kwenze ku be ubumnyama obunzima.

17 Kepa uma ni nga lalali, umpefumlo wami u ya kukala ngasese ngokuzidhla kwenu; iso lami li ya kulila li hlengezele izinyembezi, ngokuba ku tunjwa umhlambi ka Jehova.

18 Yityo kuyo inkosi na kuyo inkosikazi, ni ti, Hlalani pausi ni zitobe, ngokuba se ku wile emakanda enu umqele wodumo lwenu.

19 Imizi ya seningizimu i valiwe, ku nga vuli muntu, iJuda li tunjiwe lonkana, la tunjwa la za la pela.

20 Bhekani ni bone abezayo be vela enyakato. U pi umhlambi owa piwa wona, umhlambi wako onuhle?

21 U ya kutini nxa e ku hambela, ngokuba u ba fundisile ba be amakosi ako, ba ku buse; a u yi kukwehlelwa ubuhlungu njengobomfazi o beletayo na?

22 Nxa u ti enhliziyweni yako Ngehlelwe i lezizinto ngani na? Ngokona kwako okukulu izingubo zako zi penywe, nezitende zako zambulwe.

23 UmKushi a nga pendula umzimba wake na, ingwe i nga pendula amabala ayo na? kona ni ngenza okuhle nani, eni jwayele ukwenza okubi.

24 Ngi ya kubahlakaza njengamakoba a muka nomoya wehlane.

25 Iloku ku isabelo sako, okwako o ku linganiselwe imi, u tyo uJehova, ngokuba wa kohlwa imi, wa temba amanga.

26 Ngako nami ngi penyile izingubo zako ngapambili kwako, ukuba ku bonakale ihlazo lako.

27 Ngi bonile ukupinga kwako, noku-konya kwako, nokona kobufefe bako, amanyala ako ezintabeni endhle. Nako kuwe, Jerusalema, A ku yi kuhlambuluka ini, ko za ku be niini?

#### ISAHLUKO 14.

**I**ZWI lika Jehova ela fika kuJeremia ngokomisa kwezulu.

2 iJuda li dabukile, amasango alo a dangele; ba ya lila be hlala pausi; ukukala kuka Jerusalema kwenyukile.

3 Izikulu zalo zi tumile abancinyane balo ukuka amanzi, ba fika emacibini, ba fumana amanzi e nge ko, ba buya nezitya zabo zi ize; ba hlazeka, ba jaba, ba mboza anakanda abo.

4 Ngenxa yomhlabati, o dabukile, ngokuba ku nge ko imvula ezweni, abalimi ba jabile, ba mboza amakanda abo.

5 Nyamazane i zele endhle, i shiyile izinyane ngokuba ku nge ko utyani.

6 Izimbongo za sendhle zi mi emagqumeni, zi ya sezela omoya njengamankentyane; amehlo azo a pelile, ngokuba ku nge ko utyani.

7 Noma izono zetu zi si lahla, Jehova, sebenza ngenxa yegama lako; ngokuba si hlubukile kauningi, sonile kuwe.

8 Wena, Temba lika Israeli, Msindisi wake ngesikati sokuhlupeka, u njengongaziwayo ezweni ngani, na njengesihambi esi ngenisa ukuba si lala?

9 U njengomuntu o zunywa ngani, njengeqawe eli nge nakusindisa? kepa, wena, Jehova, u pakati kwetu, si bizwa ngegama lako; u nga si shiyi.

10 U tyo uJehova ku lababantu u ti, Ba tanda ukweduka okunje, a ba bambanga izinyawo zabo; ngako uJehova ka ba tandi; u se ya kukumbula okubi kwabo, a zi hambele izono zabo.

11 uJehova wa ti kini, U nga ba kulekeli labantu okuhle.

12 Nxa be zila ukudhla, a ngl yi kuzwa ukukala kwabo, nanxa be nikela



imihlatyelo yokutya neminikelo yokudhla, a ngi nakuitanda, kodwa ngi ya kubaqeda ngenkemba, na ngendhlala, na ngokufa.

13 Nga se ngi ti, E, Nkosi Jehova, bheka abaprofeti ba ti kubo, A ni yi kubona inkemba, a ni yi kuba nendhlala, ngokuba ngi ya kuninika ukutula okunisekayo ku lendawo.

14 uJehova wa ti kimi, Abaprofeti ba profeta amanga ngegama lami; a ngi ba tumanga, a ngi ba yalanga, a ngi kulumanga kubo; ba profeta kini isiboniso samanga, nokubula, noku ize, nenkoliso yenhliziyo yabo.

15 Ngako u tyo uJehova ngabaprofeti, abaprofeta ngegama lami, noma ngi nga ba tumanga, ba ti, A ku yi kubako inkemba nendhlala ku lelizwe, u ti, Labaprofeta ba ya kuqedwa inkemba nendhlala.

16 Abantu abaprofeta kubo, ba ya kuntyingwa ezindhleleni za seJerusalema, ngenxa yendhlala nenkemba, ku nga bi ko muntu wokubambela, bona, nabafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo; ngi ya kutela pezu kwabo okubi kwabo.

17 U ya kutyo kubo lelizwi lokuti, Amehlo ani a ya kuhlenggezela izinyembezi ebusuku na semini, a nga nqamuki; ngokuba intombi, indodakazi yabantu bami yapukile ngokwapuka okukulu, ngokutyaywa okukulu impe-la.

18 Uma ngi puma ngi ye endhle, bheka ababulewe ngenkemba, uma ngi ngena emzini, bheka izinsizi zendhlala; impela nomprofeti nompristi ba hambela ezweni, kepa a bazi luto.

19 U lahlile iJuda impela na? umpefumlo wako u nengwa iZioni na? po, u si tyayelene, si nga bi nakwelatywa; sa temba ukutula, kepa a kwa ba ko okuhle; sa temba isikati sokupila, kepa bheka usizi.

20 Si ya vuma, Jehova, ukudelela kwetu, ukona kobaba betu, sonile kuwe.

21 U nga si dubi ngenxa yegama lako, u nga hlazisi isihlalo sobukosi bako, kumbula, u ngapuli isivumelwano sako nati.

22 Ku kona ini kotixo aba ize bezizwe o nga nisa invula na? izulu li nga zinsisela invula na? Wena a u siye, uJehova, uTixo wetu, si temba wena, ngokuba wenzile konke loku.

UJEHOVA wa ti kimi, Noma oMosi noSamueli be mi pambi kwami, inhliziyo yami i nge tande lababantu; ba kipe ebusweni bami ba suke.

2 A ko ti uma be ti kuwe, Si ya kuya ngapi na? u ti kubo, U tyo uJehova u ti, Aba miselwe ukufa a ba ye ekufeni, naba miselwe inkemba, a ba ye enkembeni, naba miselwe indhlala a ba ye endhlaleni, naba miselwe ukutunjwa, a ba tunjwe.

3 Ng i ya kubamisela izinhlobo ezine, u tyo uJehova, inkemba yokubulala, nezinja zokuhudula, nezinyoni zomkati, nezilo zomhlaba zokudhla zi qede.

4 Ng i ya kubanikela emibusweni yonke yomhlaba ukuba ba hlupeke, ngenxa ka Manasa, indodana ka Hezekia, inkosi ya kwaJuda, na ngenxa ya loko, a kwenzayo eJerusalema.

5 Ngokuba ubani o za kuba nomusa kuwe, Jerusalema, ubani o za kukuhaulakela, ubani o za kupambukela ukubuza ukuba u hlezi kable?

6 Wena u ngi lahlile, u tyo uJehova, wa buyela emuva; ngi ya kolula isandhla sami kuwe, ngi ku bubise; ngi katele ukuhaulakela.

7 Ng i ya kubela ngeselo emasangweni ezwe; ngi ya kubamuka abantwana babo, ngi cite abantu bami, loku be nga buyi ezindhleleni zabo.

8 Abafelokazi babo ba vamile kimi ku nesihlabati solwandhle; ngi ba letele, kunina wabaketiweyo, umpangi, emini; nga mehlisela ngokuzuma uvalo nokututumala.

9 Yena owa zala aba isikombisa wa pela amandhla, wa fa: ilanga lake la tyona ku semini; wa hlazeka, wa jaba; abaseleyo kubo ngi ya kubanikela enkembeni pambi kwezita zabo, u tyo uJehova.

10 Nako kimina, mame, ngokuba u ngi zele ngi be umuntu weukani, nomuntu wokupikisana nezwe lonke; a ngi tyelekanga muntu uto, a ngi tyelekanga uto kumuntu, kepa bonke ba ngi tuka.

11 uJehova wa ti, Impela ngi ya ku kataza ngokuhle kwako; impela ngi ya kwenza ukuba isita si ze si ku kulekele ngesikati sokubi na ngesikati sezinsizi.

12 Insimbi i ya kwapula insimbi ya senyakato netusi na?

13 Ng i ya kukunikela ku pangwe imfuyo yako nomcebo wako, ku nga bi

ngentengo, kepa ngenxa yezono zonke zako, na semazweni onke ako.

14 Ngi ya kumukisa wena nezita zako, ni ye ezweni o nga laziyo; ngokuba unililo o basiye emakaleni ami, o ya kunityisa.

15 U yazi, Jehova, ngi kumbule, u hamba kimi, u ngi pindisele kwaba ngi zingelayo; u nga ngi susi ekubekezeleli kwako; yazi ukuti ngenxa yako ngi hlazekile.

16 Nga fumana amazwi ako, nga wa dhla; amazwi ako a ba kimi ukujabula nokutokoza kwenhliziyo yami, ngokuba ngi bizwa ngegama lako, Jehova, uTixo wamabandhla.

17 A ngi hlalanga nebandhla labahlekayo, a ngenamanga; nga hlala ngedwa pambi kwesandhla sako, ngokuba u ngi gwalisile ngolaka.

18 Ubuhlungu bami bu kona njalonzalo ngami, nenxeba lami li nge nakusinda, li nqaba ukupola ngami na? u ya kuba kimi njengomfula o kohlisayo, amanzi a nqamukayo na?

19 Ngako u tyo uJehova u ti, Uma u buya, ngi ya kukubuyisa u me pambi kwami; uma u veza okuhle ku nga bi nokubi, u ya kuba njengomlomo wami; a ba buyele kuwe, kodwa u nga buyeli kubo.

20 Ngi ya ku kwenza u be ku lababantu utango lwetusi, olu vimbayo; ba ya kulwa nawe, kepa a ba yi kwahlula; ngokuba ngi nawe ukuba ngi ku sindise, ngi ku kulule, u tyo uJehova.

21 Ngi ya kuku kulula esandhlени sababi, ngi ku kipe emandhlени abapangayo.

ISAHLUKO 16.

**I**ZWI lika Jehova la fika kimi li ti,

2 U nga tabati umfazi, u nga bi namadodana namadodakazi ku lendawo.

3 Ngokuba u tyo uJehova ngamadodana na ngamadodakazi a zalwa ku lendawo, na ngonina aba wa beletayo, na ngoyise aba wa zalayo ku lendawo,

4 U ti, Ba ya kufa ngezifo ngezifo; a ba yi kulilelwa, a ba yi kumbelwa; ba ya kuba njengomquba emhilabatini; ba ya kuqedwa inkemba nendhlala; izidumbu zabo zi ya kuba ukudhla kwezinyoni zomkati nokwezilo zomhlaba.

5 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, U nga ngeni endhlini yesililo, u nga yi ukubahlilela, u nga ba haukeli; ngokuba ngi bamukile lababantu ukutula kwami, u tyo uJehova, ubunene nomusa.

6 Ba ya kufa nabakulu nabancinyane; a ba yi kumbelwa, a ba yi kulilelwa; ba nga zisiki ba nga puci izinwele ngabo.

7 A ba yi kubahlepulela isinkwa esililweni ukuba ba ba dabukela ngenxa yabafileyo; a ba yi kubanika isitya sokududuza ba puze, ngenxa ya oyise nonina.

8 U nga ngeni endhlini yesidhlo ukuba u hlale nabo ukupuza nokudhla.

9 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla, uTixo kaIsraeli, u ti, Bheka, ngi ya kutulisa kulendawo, na semehlweni enu, na ngezinsuku zenu, izwi lokwenama, nezwi lokutokoza, izwi lomyeni nezwi lomlobokazi.

10 Ku za kuti, nxa u ba tyela lababantu lawamazwi onke, ba ti kuwe, U tyoleni uJehova loku okubi konke okukulu ngati? ku ini ukushinga kwetu? ku ini ukona kwetu esonile kuJehova uTixo wetu ngako?

11 Kona yityo kubo u ti, Ku ngokuba oyihlo benu be ngi lahlele, u tyo uJehova, ba landela abanye otixo, ba ba konza, ba kuleka kubo, ba ngi lahla, a ba geinanga umteto wami;

12 Nenzile okubi kakulu ku noyihlo benu, loku ku ilowo kini u hamba ngobulukuni behliziyo embi yake, ukuba a nga ngi laleli.

13 Ngako ngi ya kunikipa ku lelizwe, ni ye ezweni eni nga laziyo, nina noyihlo benu, ni konze kona abanye otixo ngemini na ngobusuku, ngokuba ngi nga yi kunibaukela.

14 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, oku nga yi kutyiwo ngazo ukuti, uJehova u ya pila, owenyusa abantwana ba ka Israeli ezweni la sEgipite;

15 Kodwa ku ya kutyiwo ukuti, uJehova u ya pila, owenyusa abantwana ezweni la senyakato na samazweni onke a ba xotyele kuwo; ngi ya kubabuyisela ezweni lakubo, enga ba nika lona oyise babo.

16 Bheka, ngi ya kutuma ngi bize abalobi abaningi, u tyo uJehova; ba ya kubaloba; ngasemva ngi ya kutuma ngi bize amapisi amaningi, a ya kubazingela ezintabeni zonke, na semagqumeni onke, na semifanteni yamatye.

17 Amehlo ami a bheka izindhlela zonke zabo, a ba sitele kimi, nokona kwabo a ku fihleki emehlweni ami.

18 Kuqala ngi ya kubavuzisa kabili ukushinga kwabo, nokona kwabo, ngo-

kuba be lonile izwe lami ngezidumbu zezinto zabo ezizondekayo, ba gwalisa ifa lami ngezintu zabo ezinengekayo.

19 E Jehova, mandhla ami, nqaba yami, Nkosi yami yokupepela ngosuku losizi; abezizwe ba kufika kuwe be vela ekgucineni komhlaba, ba ti, Obaba betu ba dhilele ifa lamacebo odwa, noku ize, nokungasiziyo.

20 Umuntu a nga zenzela ini otixo, a ba nge sibo otixo?

21 Ngako, bheka, ngi ya bazisa nga lesisikati, ngi ya bazisa isandhla sami namandhla ami, ba ya kwazi ukuti, igama li nguJehova.

ISAHLUKO 17.

**U**KONA kuka Juda ku lotyiwe ngoti ulwensimbi, ngenhloko yendaimani; ku lotyiwe esibhebheni senhliziyo yabo, na sezimpondweni zamalati enu;

2 Abantwana babo be kumbula amatlali abo, nezitombe zabo zika Ashera nga semitini eluhlaza, nga semagqumeni amade.

3 Intaba yami kanye nezwe, imfuyo yako nempahla yonke yako, ngi ya kuinikela i pangwe, amagquma ako, ngenxa yezono zako emazweni ako onke.

4 U ya kubuyisela ifa engi ku nikile lona; ngi ya kukwenza u konze izita zako ezweni o nga laziyo; Ngokuba ni basile umlilo emakaleni ami o za kutya ku ze ku be pakade.

5 U tyo uJehova, u ti, U ya tukwa lomuntu o temba ebantwini, a yenze inyama i be ingalo yake, onhliziyo yake i muke kuJehova.

6 U ya kuba njengodingayo ehlane, e nga boni nxa ku fika okuhle; u ya kuhlala ezindaweni ezomileyo za sehlane, ezweni eli usaoti, eli ngakiwa muntu.

7 U ya busiswa lomuntu o temba kuJehova, o temba lake li nguJehova.

8 U njengomuti otyaliweyo nga semanzini, owenabisa izimpande zawo nga semfuleni, o ngesabi nxa ku fudumele, iqabunga lawo li luhlaza, o nga bi naluvale nga lowomnyaka elomisa ngawo, o nga uqamuki ukutela.

9 Inhliziyo i ya kohlisa ku nako konke; yonakele kakulu; ubani o nga yaziyo.

10 Mina Jehova ngi hlola inhliziyo, ngi linga izibilini, ukuba ngi pe ilowo njengokuhamba kwake, njengokutela kwemisebenzi yake.

11 Itendele li yondhla amazinyane eli

nga wa fukumelanga, u njengalo yena o fuya imfuyo ngokungalungi; u ya ku i shiya pakati kwezinsuku zake, ekupelelani kwake u ya kuba isiula.

12 Sihlalo sobukosi, ukupakama na sekuqaleni, ndawo engewele yetu,

13 Temba lika Israeli, Jehova, bonke aba ku lahlayo ba ya kujaba; aba ngi shiyayo ba ya kulotywa emhlabatini, ngokuba ba lahlele uJehova, umtombo wamanzi agijimayo.

14 Ngi pilise, Jehova, ukuba ngi piliswe; ngi sindise ukuba ngi sindiswe, ngokuba wena u udumo lwami.

15 Bheka, ba ti kimi, Li pi izwi lika Jehova na? a li ze manje.

16 A ngi pumanga ukuba ngi nga bi umalusi wokukulandela; lolosuku losizi a ngi lu funanga, u yazi wena; okupumayo emlonyeni wami kwa ku lungile kuwe.

17 U nga bi okwesabekayo kimi; u inkosi yami yokupepela ngosuku olubi.

18 A ba jabe aba ngi zingelayo, ngi nga jabiswa mina; a ba tyaywe uvalo, mina ngi nga tyaywa ilo; behlisele usuku olubi, u ba bulale ngokubulala okubili.

19 U tyo uJehova kimi, u ti, Hamba, u ye u me esangweni labantwana babantu bami, a ngena ngalo amakosi a kwaJuda, a puma ngalo, na semasangweni onke a seJerusalema;

20 U tyo kubo, Yizwani izwi lika Jehova, nina makosi akwaJuda, noJuda wonke, nabo bonke abakileyo eJerusalemu aba ngena nga lawamasango.

21 U tyo uJehova, u ti, Qapelani, ni nga twali umtwalo ngosuku lwesabata, ni nga u ngenisi ngamasango a seJerusalema;

22 Ni nga pumi nomtwalo ezindhlini zenu ngosuku lwesabata, ni nga sebenzi namunye umsebenzi, kepa gcinani isabata li be ngewele, njengaloku nga yala oyihlo benu,

23 Kepa a ba lalanga, a ba bekanga indhlebe, benza lukuni intamo yabo, ukuba ba ngezwa, ba nga lulekwa.

24 Ku za kuti, nxa ni ngi lalala kahle, u tyo uJehova, ni nga ngeni nomtwalo ngamasango a lomuzi ngosuku lwesabata, kepa ni gcine usuku lwesabata, lu be ngewele, ni nga sebenzi namunye umsebenzi ngalo;

25 Kona ku ya kungena ngamasango a lomuzi amakosi nezikulu, ba hlale esihlalweni sika Davida; ba hambe nge-

zinqola na ngamashashi, bona nezikulu zabo, abantu ba kwaJuda, nabakileyo eJerusalema; lomuzi u ya kwakiwa ku ze ku be pakade.

26 Ba ya kupuma emizini ya kwaJuda, na semapandhlani a seJerusalema, na sezweni la kwaBenjamini, na sezihlanjeni, na sezintabeni, na ngaseningizimu, beze neminikelo yokutya nemililatyelo neminikelo yokudhla nempepo, beze endhlini ka Jehova neminikelo yokubonga.

27 Kodwa uma ni nga ngi laleli ni geine usuku lwesabata lu be ngewele, ukuba ni nga twali umtwalo, ni nga ngeni emasangweni a seJerusalema ngosuku lwesabata; kona ngi ya ku basa umlilo emasangweni alo, u ya kuqeda izindhlunkulu, u nga citywa.

ISAHLUKO 18.

I ZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova, li ti,

2 Suka, wehle u ye endhlini yombumbi; ngi ya ku kuzwisa kona amazwi ami.

3 Nga se ngelila nga ya endhlini yombumbi, bheka wa sebenza umsebenzi etyeni.

4 Isitya a senzayo ngebumba sonakala esandhlani sombumbi; wa buya wenza ngaso esiuye isitya njengokubona kombumbi ukuba a senze.

5 Izwi lika Jehova la fika kimi li ti,

6 Ngi ngenze ini kini njenga lombumbi, ndhlu ka Israeli? u tyo uJehova, Bheka, njengebumba li sesandhlani sombumbi ni njalo nani esandhlani sami, ndhlu ka Israeli.

7 Ngesinye isikati ngi kuluma ngesizwe na ngombuso ukusibidhliza nokusicita nokusiqeda;

8 Kepa uma lesosizwe, engi kulumile ngaso, si guquka kuko okubi kwaso, ngi ya kupenduka kuko okubi enga ti ngi za kwenza kuso.

9 Na ngesinye isikati ngi kuluma ngesizwe na ngonibuso ukusaka nokusityala.

10 Kepa uma senza okubi emehlweni ami, si nga laleli izwi lami, kona ngi ya ku penduka kuko okuhle enga ti ngi ya kusibusisa ngako.

11 Kaloku yityo kubantu ba kwaJuda na kwabakileyo eJerusalema, u ti, U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi neizela okubi, ngi ni cebela icebo; guqukani, ku be ilowo ekuhambeni kwake okubi, ni lungise ukuhamba kwenu nemisebenzi yenu.

12 Kodwa ba ya kuti, Ku ize; si ya kuhamba ngamacebo etu, senze ku be ilowo njengobulukuni behliziyo embi yake.

13 Ngako u tyo uJehova, u ti, Buzani kwabezizwe, ubani o zwile okunje na? Intonbi ka Israeli yenzile into esabekayo kakulu.

14 Iqwa la seLebanoni li ya pela ini etyeni la sendhle? amanzi a namandhla, abandayo, a gijimayo a ya tya na?

15 Loku abantu bami be kohliwe imi, ba tyisela oku ize impepo; ba ba qubekisa ekuhambeni kwabo, ezindhleleni zendulo, ba hamba ngezindhlela zomendo o ngembiwanga,

16 Ba cita izwe labo, li hlekwe usulu njalonzalo? bonke aba dhlula kulo ba ya kumangala, ba ngakuza amakanda.

17 Njengomoya wa sempumalanga ngi ya kubahlakaza pambi kwezita zabo; ngi ya kubafulatela ngi nga bhekani nabo ngosuku losizi lwabo.

18 Ba se be ti, Wozani, a si m cebele uJeremia amacebo, ngokuba umteto a u yi kupela kumpristi, nokuyala kubo abahlakanipileyo, nezwi kumprofeti.

19 Ngi zwe, Jehova, u lalele izwi laba pikisana nami.

20 Okuhle ku ya kupindiselwa ngokubi na? ngokuba ba u mbela umpefumlo wami umgodi; kumbula ukuma kwami pambi kwako ukuba ngi ba kulumela okuhle, ngi buyise ulaka lwako kubo.

21 Ngako ba nikele abantwana babo kuyo indhlala, u ba nikele emandhlani enkemba; abafazi babo a ba felwe abantwana, ba felwe na amadoda; amadoda abo a bulawe ngokufaza, izinsizwa zabo zi bulawe ngenkemba ekulweni.

22 A ku zwakale ukukala ezindhlini zabo, nxa u ba zuma ngempi; ngokuba be ngi mbele umgodi ukuba ba ngi bambe, ba tiya izinyawo zami.

23 Kepa, wena Jehova, u yazi ukuceba kwabo konke kokungibulala; u rga ba teteleli okubi kwabo, u nga hlanguli pambi kwako ukona kwabo; a ba citeke pambi kwako, u ba vukele ngesikati solaka lwako.

ISAHLUKO 19.

U TYO uJehova, u ti, Hamba u tenge isitya sombumbi sebumba, u tabate amalunga abantu namalunga abapristi;

2 Puma u ye esihlanjeni sika Benhionomi, esi ngasesangweni lombumbi, u memezele kona amazwi, engi ya kukutyela wona.

3 U ti, Yizwani izwi lika Jehova, makosi a kwaJuda nabakileyo eJerusalema, u tyo uJehova wamabandhla, uTixo kaIsraeli, Bheka, ngi ya kwehlisela ukuhlupeka ku lendawo oku za kuti, bonke aba ku zwayo, izindhlebe zabo zi ya kukenceza.

4 Ngokuba ba ngi shiyile, ba yenza lendawo i be yezizwe, ba tyisela kuyo abanye otixo impepo, aba ngaziwanga ibo, noyise babo, namakosi a kwaJuda, ba gewalisa lendawo ngegazi laba nge ncala;

5 Baka izindawo ezipakemeyo zika Bali, ukuba ba tyise abantwana babo ngomlilo, ba be iminikelo yokutya kuBali, into engi nga ba yalelanga yona, nengi nga kulumanga ngayo, nenga ngenanga enhliziyweni yami.

6 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, lendawo i nga yi kutiwa ngazo iTofeti, neSihlambo sika Benhinomi, kodwa i ya kutiwa, iSihlambo sokubulawa.

7 Ngi ya kucita kulendawo ukuceba kuka Juda nokweJerusalema; ngi ya kubawisa ngenkamba pambi kwezita zabo, na ngezandhla zabafuna ukubabulala; izidumbu zabo ngi ya kuzinika izinyoni zomkati nezilo zomhlaba, zi be ukudhla kwazo.

8 Ngi ya kwenza lomuzi u citeke, u hlatyelwe amakwelo; bonke abadhlula kuwo ba ya kwetuka, ba hlabe amakwelo ngenxa yokutyaywa konke kwawo.

9 Ngi ya kubadhlesa inyama yamadodana abo, nenyama yamadodakazi abo; ilowo u ya kudhla inyama yesihlobo sake ezinsizini na sekuhlupekeni ezi ya kubahlupa ngako izita zabo, naba funa ukubabulala.

10 Kona wapule isitya emehlweni abantu aba hamba nawe,

11 U ti kubo, U tyo uJehova wamabandhla, u ti, Kanjalo ngi ya kwapula lababantu na lomuzi, njengomuntu e sapula isitya sombumbi esi nge buye si lungiswe; ba ya kumbelwa eTofeti ngokuba a i ko, enye indawo yokumbela.

12 Ngi ya kwenza njalo ku lendawo, u tyo uJehova, na kwabakileyo kuyo, ngenze lomuzi u be njengeTofeti;

13 Izindhlu za seJerusalema, nezindhlu zamakosi a kwaJuda zi ya kuba njengeTofeti, zi ngeolile, ngenxa yezindhlu zonke aba tyisele pezu kwazo impepo ibandhla lonke la sezulwini, ba telela abanye otixo iminikelo yokupuza.

14 Kona uJeremia wa buya eTofeti, lapo a m tumela kona uJehova ukuba a profeta; wema ebaleni lendhlu ka Jehova, wa ti kubo bonke abantu,

15 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, Bheka ngi ya kwehlisela ku lomuzi na kuyo yonke imizana yawo okubi konke engi ku tyilo ngawo, ngokuba benze lukuni izintamo zabo, ukuba ba ngezwa amazwi ami.

ISAHLUKO 20.

UPASHURI, indodana ka Imeri, umpristi, e ngumbusi onkulu endhlini ka Jehova, wezwa uJeremia e profeta lezozindaba.

2 Kona uPashuri wa m tyaya uJeremia, umprofeti, wa m faka etilongweni eli nga sesangweni lika Benjamin eli ngasenhla, nga sendhlini ka Jehova.

3 Kwa ti ngangomso uPashuri wa kipa uJeremia etilongweni, uJeremia wa ti kuye, uJehova a ka li qambanga igama lako uPashuri, kodwa uMagormisabibi.

4 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kukwenza u be umuntu osabekayo kuwena na kuzo zonke izihlobo zako; ba ya kuwa ngenkamba yezita zabo; u ya kubona ngamehlo ako; abaJuda bonke ngi ya kubanikela esandhleni senkosi ya seBabulona; i ya kubatumba i ba yise eBabulona, i ba bulale ngenkamba.

5 Imfuyo yonke ya lomuzi, nemisebenzi yonke yawo, noku inani konke kwawo, namagugu onke amakosi a kwaJuda, ngi ya kukunika esandhleni sezita zabo, ezi ya kubapanga, zi ba tabate, zi ba yise eBabulona.

6 Nawe, Pashuri, nabo bonke aba hlala endhlini yako, ni ya kutunjwa; u ya kuya eBabulona, u ya kufa kona, u mbelwe kona, wena nezihlobo zako zonke, o profetile kuzo amanga.

7 Wa ngi geinea, Jehova, nga geinca; wa ngi cindezela, wa ngahlula; ngeiswa imihla ngemihla, bonke ba ngi delela.

8 Nxa ngi kuluma, nomia ngi kala, ngi memeza ngokupanga na ngokubulala; loku izwi lika Jehova li ihlazo namahloni kimi imihla ngemihla.

9 Kapa uma ngi ti, A ngi sa yi kumkumbula, a ngi sa yi kukuluma ngegama lake, ku senhliziyweni yami nje ngomlilo o tyisayo, u valelwe ematanjeni ami; nga zikataza ngokuzikuza, ngahluleka.

10 Ngi zwa ukuhleba kwabaningi; ukwesabeka inxa zonke; bikani, nati, si ya kubika; bonke engi hlangene nabo ba linda ukuxuka kwami; be ti, Mhlaumbe a nga yengwa, kona si ya kumahlula si zipindisele ngaye.

11 Kepa uJehova u nami e njenge-siqwaga esinamandhla; ngako aba ngi zingelayo ba ya kukubeka ba ngahluli; ba ya kujaba kakulu, ngokuba be nga bi nanhlauhla; ukujaba kwabo ku nge kohleke.

12 Kepa uJehova wamabandhla u ya linga ngokulunga, u ya bona izibilini nenhliziyo; ngi ya kubona ukubapindisela kwako, ngokuba ngambulile kuwe icala lami.

13 Hlabelelani kuJehova; bongani uJehova, ngokuba e ba sindisile abampofu esandhleni sababi.

14 A ku tukwe usuku enga zalwa ngalo: a ku nga busiswa usuku a ngi beletwa ngalo umame.

15 A ka tukwe lowomuntu owa m tyela ubaba, e ti, U zalelwe umntwana wesilisa, e m tokozisa kakulu.

16 Lowomuntu a ka be ngangemizi, a i citayo uJehova, e nga bi namusa, a kezwe ukumemeza kusasa, nokuhlaba umkosi emini,

17 Ngokuba e nga ngi bulalanga esiswini, kona umame wa ba ituna lami, isisu sake si kulelwe njalo.

18 Nga pumelani esiswini ukubona ukuhlupeka nosizi nezinsuku zami zi pela chlazweni.

### ISAHLUKO 21.

**I**ZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova, mhla uZedekia e tuma kuye uPashuri, indodana ka Melkia, noZefania, indodana ka Maseia, umpristi, e ti,

2 A ku si buzele kuJehova, ngokuba uNebukadrezari, inkosi ya seBabulona, u ya si hlasela; mhlaumbe uJehova u ya kusenzela njengayo yonke imingaliso yake, ukuba a muke kitina.

3 uJeremia wa ti kubo, Yityoni kuZedekia, ni ti,

4 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kubuyisa izikali zokulwa ezi sezandhleni zenu, eni lwa ngazo nenkosi ya seBabulona namaKaldea, a ni haqayo ngapandhle kwezingange, ngi ya kubabutela ku lomuzi.

5 Nami ngi ya kulwa nani ngesandhla esolulekile na ngengalo eqata, ngokutu-

kutela na ngolaka na ngokufuteka okukulu.

6 Ngi ya kutyaya abakileyo ku lomuzi, abantu nezinkomo; ba ya kufa ngesifo esikulu.

7 Ngasemva, u tyo uJehova, oZedekia, inkosi ya kwaJuda, nezinceku zake, nabantu, abaseleyo ku lomuzi, be sinda kuso isifo, na kuyo inkemba, na kuyo indhlala, ngi ya kubanikela esandhleni sikaNebukadrezari, inkosi ya seBabulona, na sesandhleni sezita zabo, na sesandhleni sabo abafuna ukubabulala; u ya kubatyaya ngenkemba, e nga ba haukei, e nga bi namusa, nabuene.

8 Yityo ku labantu, u ti, U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi beka pambi kwenu indhlela yokupila nendhlela yokufa.

9 Ohlalayo kulomuzi u ya kufa ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo, kepa opumayo, a ye kumaKaldea, a ni haqayo, u ya kupila, ukupila kwake ku ya kuba impango yake.

10 Ngokuba ngi bhekile lomuzi ngokubi, ku nga bi kuhle; u tyo uJehova; u ya kunikelwa esandhleni senkosi ya seBabulona, i ya kuwutyisa ngomlilo.

11 Na kuyo indhlu yenkosi ya kwaJuda, yityo u ti, Yizwani izwi lika Jehova;

12 Ndhlu ka Davida, u tyo uJehova, u ti, Tetani ngomteto kusasa imihla nge-mihla, ni kipe opangiweyo esandhleni sohlupayo, funa ulaka lwami lu pume njengomlilo, lu tyise, ku nga bi ko o lu citayo, ngenxa yokubi kwemisebenzi yenu.

13 Bheka, ngi melana nawe, wena owakileyo esihlanjeni, itye letafa, u tyo uJehova, nina eni ti, Ubani o za kusehlela? ubani o za kungena ezindhlini zetu?

14 Kepa ngi ya kunityaya njengezitelo zemisebenzi yenu, u tyo uJehova, ngi ya kubasa umlilo chlatini lako, u ya kuqeda konke oku ngakona.

### ISAHLUKO 22.

**U** TYO uJehova, u ti, Yehla u ye endhlini yenkosi ya kwaJuda, u tyo kona lelizwi,

2 U ti, Yizwa izwi lika Jehova, nkosi ya kwaJuda, o hlala esihlalweni sika Davida, wena, nezinceku zako, nabantu bako aba ngena ngalawamasango.

3 U tyo uJehova, u ti, Busani ngomteto na ngokulunga, ni kipe opaugiweyo esandhleni sohlupayo, ni ngoni abezi-

zwe, nezintandane, nabafelokazi, ni nga ba hluphi, ni nga citi ku lendawo igazi laba nge nacala.

4 Ngokuba uma nenza loku impela kona ku ya kungena ngamasanga a lendhlu amakosi e m hlalela uDavida esihlalweni sake, e hamba ngezingola na ngamahashi, yona nezinceku zayo nabantu bayo.

5 Kepa uma ni ngezwa lawamazwi, ngi ya zifunga, u tyo uJehova, lendhlu i ya kuciteka.

6 Ngokuba, u tyo uJehova ngendhlu yenkosi ya kwaJuda, u ti, U iGiladi kimina, inhloko yeLebanoni; impela ngi ya kukuzwa u be ugwadule, imizi e ngakiwa muntu.

7 Ng'i ya kukumisela abacitayo, ku be ilowo a be nezikali zake; ba ya kugaula amasedare ako amahle, ba wa pouse emlilweni.

8 Izizwe eziningi zi ya kudhlula ku lomuzi, ba ya kukuluma bodwa be ti, uJehova wenzeleni okunje ku lomuzi omkulu?

9 Ba ya kuti, Ngokuba ba lahla isivumelwano sika Jehova, uTixo wabo, ba dumisa abanye otixo, ba ba konza.

10 Ni nga m kaleli ofileyo, ni nga lili ngaye; kalelani, kalelani omukayo; ngokuba e nga sa yi kubuya; ka sa yi kubona izwe lokuzalwa kwake.

11 Ngokuba u tyo uJehova ngaye uShalumi, indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, owa busa esikundhleni sika yise, owemuka ku lendawo, u ti, Ka sa yi kubuyela kuyo.

12 U ya kufa endaweni aba m yisile kuyo, e tunjiwe, ka sa yi kubona lelizwe,

13 Nako kuyena owakayo indhlu yake ngokungalungi, nezindhlu zake ezipuzulu ngokona; o sebenzisa owakelene naye ngeze, e nga m kokeli ngomsebenzi wake;

14 U ti ngi ya kuzakela indhlu enkulu, nezindhlu ezipuzulu ezinkulu; u zenzela izibuko; u i nameka ngesedare, u i kata ngokubomvu.

15 U ya kuba inkosi ini, ngokuba u sebenza ngesedare? uyihlo ka dhlanga wa puza ini, wa busa ngomteto na ngokulunga? kona kwa ku kuhle kuye.

16 Wa mela abampofu nabadingayo, kona kwa ku kuhle kuye; loku a ku siko ukungazi mina na? u tyo uJehova.

17 A ku bheki luto amehlo ako nenhliziyo yako, ukupanga nokuceita igazi laba nge nacala, nokuhlupa, nokwamuka kupela.

18 Ngako, u tyo uJehova ngaye u Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi yakwaJuda, u ti, A ba yi kumkalela, be ti, Au mfo wetu, au dade wetu, a ba yi kumkalela be ti, Au, nkosi, au bukosi bake.

19 U ya kumbeliswa okwembongolo; a hudulwe, a lahlwe ngapandhle kwamasango a seJerusalem.

20 Yenyuka, u ye eLebanoni u memenze, u pakamise izwi lako eBashani, u memenze eAbarimi, ngokuba bonke aba ku tandayo ba citekile.

21 Nga kuluma nawe u nenhlanhla, wa ti, A ngi yi kuzwa. Loku ku ukuhamba kwako iloku wa zalwayo, kokuti a u laleli izwi lami.

22 Umoya u ya kudhla abalusi bako bonke; aba ku tandayo ba ya kutunjwa; kona u ya kuhlazeka; u jabe ngako konke ukona kwako.

23 Wena o hlala eLebanoni, owakile emitini yesedare, yeka, u ya kubaukeleka nxa wehlelewa ubuhlungu, ubuhlungu njengobomfazi o beletayo.

24 Kupila kwami, u tyo uJehova, u ti, Noma uKonia, indodana ka Jehoakimu, inkosi ya kwaJuda, u indandato esandhleni sami sokunene, ngi ya kukususa kuso.

25 Ng'i ya kukunikela esandhleni saba funa ukukubulala, na sesandhleni sa labo owesaba ubuso babo, na sesandhleni sika Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona, na sesandhleni samaKaldea.

26 Ng'i ya kunixotyela nina nonyoko owa ku zalayo kwelinye izwe eni nga zalwanga kulo; ni ya kufa kona.

27 Kepa a ba yi kubuyela ezweni aba tanda ukubuyela kulo.

28 Lomuntu uKonia u isitya esidelelweyo nesapukileyo na? u isitya oku nge ko kuso ukutokoza na? ba kityelweni, yena nenzalo yake? ba lahlelwe ngani ezweni a ba nga laziyo?

29 Lizwe, lizwe, lizwe, yizwa izwi lika Jehova.

30 U tyo uJehova, u ti, Lobani lomuntu o nge namntwana, umuntu o nga yi kuba nanhlanhla ezinsukwini zake; ngokuba ku nga yi kuba nanhlanhla namunye kuyo inzalo yake, e hlala esihlalweni sika Davida, a buye a buse kwaJuda.

ISAHLUKO 23.

**N**AKO kubalusi aba zi qeda ba zi cite izimvu zedhlelwa lami, u tyo uJehova.

2 Ngako u tyo uJehova, uTixo ka Israeli, ngabalusi abalusa abantu bami, u ti, Ni eitile izimvu zami, na zi xoty'a, a ni hambelanga kuzo; bheka, ngi ya kunehliselela okubi kwemisebenzi yenu, u tyo uJehova.

3 Ngi ya kubuta insali yezimvu zami emazweni onke, engi zi xotypele kuwo, ngi zi buyisele emadhlelweni azo; zi ya kucema, zande.

4 Ngi ya kuzimisele abalusi aba ya kuzalusa; a zi sa yi kwesaba, zi be novalo, a zi yi kufunyaniswa zi nge ko, u tyo uJehova.

5 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kumvusele uDavida ngazo ihlumela lokulunga, eli ya kuba inkosi, li be nenhlanhla, li buse ngomteto na ngokulunga ezweni.

6 Ngezinsuku zayo uJuda u ya kusindiswa, uIsraeli u ya kuhlala kahle; leli li igama e ya kubizwa ngalo lokuti, UJEHOVA UKULUNGA KWETU.

7 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku oku nga sa yi kutiwa ngazo, uJehova u ya pila owa kipayo abantwana baka Israeli ezweni la sEgipite;

8 Kepa ku ya kutiwa, uJehova u ya pila owa i kipayo wa i hola inzalo yendhlu ka Israeli i vela ezweni la senyaka, na semazweni ouke, enga i xotyela kuwo; i ya kwaka ezweni la kubo.

9 Ngabaprofeti yapukile inhliziyo yami esifubeni sami, amatambo onke ami a butakataka: ngi njengesidakwa, ngi njengomuntu owahlulwe iwaini, ngenxa ka Jehova na ngenxa yamazwi ake angewele.

10 Impela izwe li gewele abapingi, (impela izwe li ya kala ngenxa yokutukwa; amadhlelo a sehlane a tyile) ukubamba kwabo kubi, namandhla abo a wa lungile.

11 Ngokuba nomprofeti nompristi bonakele, na sendhlini yami ngi fumene okubi kwabo, u tyo uJehova.

12 Ngako indhlela yabo i ya kuba kubo njengezindawo ezi butyelezi ebunmyameni; ba ya kuqutywa, ba we kuyo; ngokuba ngi ya kubehliselela okubi ngomnyaka wokuhanjelwa kwabo, u tyo uJehova.

13 Ngi bonile ukona na kubaprofeti ba seSamaria, ba profeta ngoBali, bedusa abantu bami abaIsraeli.

14 Na kubaprofeti ba seJerusalema ngi bonile okwesabekayo, ukupinga nokukohlisa; ba qinisa izandhla zababi, ku

nga penduki namunye ekoneni kwake; ba njengeSodoma kimi, abakileyo kulo ba njengeGomora.

15 Ngako u tyo uJehova wamabandhla ngabaprofeti, u ti, Bheka, ngi ya kubadhla umhlonyane, ngi ba puzise amanzi obuhlungu, ngokuba ku pumile kubaprofeti ba seJerusalema ukonakala, kwa ya ezweni lonke.

16 U tyo uJehova wamabandhla, u ti, Ni nga laleli amazwi abaprofeti aba profeta kini; ba nedusa; ba kuluma igama eli vela enhliziyweni yabo, li nga veli emlonyeni ka Jehova.

17 Ba qinisa ba ti kwaba ngi deleyayo; U tyilo uJehova, u ti, Ni ya kuba nokutula; ba ti kubo bonke aba hambayo ngobulakuni bezinhliziyzo zabo, A ni yi kwehlelwa okubi.

18 Ngokuba umupi owa ke wema eecetyeni lika Jehova, wa li qonda wezwa izwi lake? umupi o bhekile izwi lake wa li zwa?

19 Bheka, isivunguvungu sika Jehova, ulaka lu pumile, isivunguvungu esikulu; si ya kwehlela ngamandhla emakanda ababi.

20 Ulaka luka Jehova a lu yi kubuya, e nga kenzi a qede amacebo enhliziyzo yake. Ngezinsuku zokupela ni ya kukuqondisisa.

21 A ngi tumanga labobaprofeti, kepa ba gijima, a ngi kulumanga nabo, kepa ba profeta.

22 Kodwa uma be be mi eecetyeni lami, nga be shumayeze abantu bami amazwi ami, ba ba buyise endhleleni embi yabo, na semisebenzini emibi yabo.

23 Ngi uTixo o seduze ini, u tyo uJehova, ngi nge nguTixo okude na?

24 Uma umuntu e catya endaweni esitekileyo, a ngi yi kumbona na? u tyo uJehova; a ku gewele ini izulu nomhlaba na? u tyo uJehova.

25 Ngi zwile aba ku tyoyo abaprofeti aba profeta amanga ngegama lami, be ti, Ngi pupile, ngi pupile.

26 Loku ku ya kuba enhliziyweni yabaprofeti aba profeta amanga ku ze ku be nini? ba ngabaprofeti benkohliso yenhliziyo yabo.

27 Aba ceba ukuba benze abantu bami ba kohlwe igama lami ngamapupo abo, aba wa landanisayo, njengoyise babo ba kohlwa igama lami ngoBali.

28 Umprofeti o nepupo ka li landise ipupo, naye o nezwi lami ka li kulume izwi lami ngeqiniso. Amakoba a no-



msebenzi muni namabele na? u tyo uJehova.

29 Izwi lami a li njengomlilo na? u tyo uJehova, na njengesando esi hlepula itye.

30 Ngako bheka, ngi melana nabaprofeti, u tyo uJehova, abebayo amazwi ami omunye komunye.

31 Bheka, ngi melana nabaprofeti, u tyo uJehova, aba bulayo ngolimi lwabo.

32 Bheka, ngi melana naba profeta amapupo amanga, u tyo uJehova, ba wa landise, bedukise abantu bami ngamanga abo na ngokuzidhla kwabo; a ngi ba tumanga, a ngi ba yalanga; ba nge size lababantu ngaluto, u tyo uJehova.

33 Nxa lababantu, nomprofeti, nompristi be ku buza be ti, Ku tini umtwalo ka Jehova? u ya kubatyela ukuba ku tini umtwalo ka Jehova, ukuti, Ngi ya kunilahla, u tyo uJehova.

34 Lomprofeti, na lompristi, nabantu aba tyoyo ba ti, Umtwalo ka Jehova, ngi ya kutyaya lowomuuntu nendhlu yake.

35 A ni tyo, omunye kowakelene naye, nomunye kumfo wabo, ni ti, uJehova u pendule wa tini na? nokuti, uJehova u teni na?

36 Kepa a ni sa yi kukuluma izwi lokuti, Umtwalo ka Jehova; izwi la lowo li ya kuba umtwalo wake, ngokuba ni pendulile amazwi ka Tixo opilayo, uJehova wamabandhla, uTixo wetu.

37 A ku tyo kumprofeti, u ti, uJehova u ku pendule u tini na? nokuti, uJehova u teni na?

38 Kepa uma ni ti, Umtwalo ka Jehova, ngako u tyo uJehova, u ti, Ngokuba ni tyo lelizwi lokuti, Umtwalo ka Jehova; ngi tunile nga ti kini, Ni nga tyo ni ti, Umtwalo ka Jehova,

39 Ngako, bheka, ngi ya kunitwesa ngi ni xotye ebusweni bami, nina na lomuzi enga ni nika wona, nina noyihlo beuu;

40 Ngi ya kubeka pezu kwenu ihlazo elimakade nokunengeka okupakade, oku nga sa yi kukohleka.

#### ISAHLUKO 24.

**U**JEHOVA wa ngi tyengisa, bheka, u amaqoma amabili amakiwane a bekiwe ngapambili kwetempeli lika Jehova, uNebukadrezari, inkosi ya seBabulona, e se tumble uJekonia, indodana ka Jehoakimu, inkosi ya seJuda, nezikulu za seJuda, nababazi, nabakandi,

wa ba susa eJerusalem wa ba yisa eBabulona.

2 Elinye iqoma la li namakiwane amahle kakulu, e njengamakiwane okuqala; elinye la li namakiwane amabi kakulu, e nge nakudhliwa ngobubi bawo.

3 uJehova wa e se ti kimi, U bonani, Jeremia? Nga ti, Ngi bona amakiwane; amakiwane amahle a mahle kakulu, amakiwane amabi a mabi kakulu, e nge nakudhliwa ngobubi bawo.

4 Izwi lika Jehova la buya la fika kimi, li ti,

5 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Njenga lawamakiwane amahle ngi ya kubamkela abatunjiweyo ba kwaJuda, engi ba kipile ku lendawo ba ye ezweni lamaKaldea, ku be kuhle kubo;

6 Ngi ya kubabhaka kahle, ngi ba buyisele ku lelizwe, ngi bakise, ngi nga ba bidhlizi, ngi ba tyale, ngi nga ba sipuli;

7 Ngi ya kubapa inhliziyoyokuba ba ngazi ukuti ngi nguJehova, ba ya kuba abantu bami, ngi be uTixo wabo, nxa be buyele kimi ngenhliziyoyonke.

8 Kepa njengamakiwane amabi, a nge nakudhliwa ngobubi bawo, u tyo uJehova, u ti, ngi ya ku m enza uZedekia, inkosi ya kwaJuda, nezikulu zake, nabaseleyo eJerusalem, aba sele ku lelizwe, nabakileyo ezweni la sEgipite;

9 Ngi ya kubaketa emibusweni yonke yomhlaba ukuba ba hlupeke, ku be kubi, ba delelwe, beiswe, ba hlekwe usu- lu, ba tukwe, ezindaweni zonke engi ya kubaxotyela kuzo.

10 Ngi ya kutuma kubo inkemba, nendhlala, nesifo, ba ze ba pele ezweni enga ba nika lona; bona nokoko babo.

#### ISAHLUKO 25.

**I**ZWI ela fika kuJeremia ngabo bonke labantu ba kwaJuda ngomnyaka wokuqala ka Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona,

2 A li tyoyo uJeremia, umprofeti, kubo bonke abantu ba kwaJuda, na kubo bonke abakileyo eJerusalem, e ti,

3 Iloku kwa ba umnyaka weshumi nantatu ka Josia, indodana ka Amoni, inkosi ya kwaJuda ku ze ku be namhla, leminyaka emashumi nabili nantatu, izwi lika Jehova li fikile kimi, ngi kulumile kini, ngi qinisa, kepa a ni lalalanga.

4 uJehova u tumile kini zonke izinceku zake, abaprofeti, e qini, kepa a ni lalalanga, a ni bekanga indhlebe ukuba ni zwe.

5 Ba ti, Buyani manje, ku be ilowo endhleleni yake embi, na kuyo imisebenzi yenu emibi, kona ni ya kuhlala ezweni, a ni nikile lona uJehova, nina noyihlo benu, li be elenu ku ze ku be pakade:

6 Ni nga landeli abanye otixo ukuba ni ba konze, ni kuleke kubo; ni nga ngi tukutelisi ngemisebenzi yezandhla zenu, kona a ngi yi kunenzela okubi.

7 Kepa a ni ngi lalalanga, u tyo uJehova, ukuba ni ngi tukutelise ngemisebenzi yezandhla zenu, nenzelwe okubi.

8 Ngako u tyo uJehova wamabandhla, Loku ni nga lalalanga amazwi ami,

9 Bheka, ngi ya kutuma, ngi tabate izindhlu zonke za senyakato, u tyo uJehova, neNebukadrezari, inkosi ya seBabilona, inceku yami, ngi ba lete ukuba ba hlasele kulelizwe, na kubantu balo, na ku lezizizwe zonke ezi kona, ngi zi qede, ngi zenze zi be isimangaliso, nesinengiso, zi hlale zi citekile ku ze ku be pakade.

10 Ngì ya kunqamula izwi lokujabula, nezwi lokutokoza, nezwi lomnyeni nezwi lomlobokazi, ukuhlokoma kwamatye okugaya, nokukanya kwekandeli.

11 Lelizwe lonke li ya kuciteka, li be isimangaliso; lezizizwe zi ya kukonza inkosi ya seBabilona iminyaka emashumi a isikombisa.

12 Ku za ku ti, nxa ku pelile iminyaka emashumi a isikombisa, ngi ya kwehlela inkosi ya seBabilona, na lesosizwe, u tyo uJehova, ngokona kwabo, nezwe lamaKaldea, ngi lenze li hlala li citekile njalongo.

13 Ngì ya kuyisa kulelozwe amazwi onke ami, engi wa tyiloyo ngalo, konke okulotyiweyo kulencwadi, a ku profetileyo uJeremia ngezizwe zonke.

14 Ngokuba lezizizwe eziningi namakosi amakulu a ya kuzisebenzisa; ngi ya kuzivuzisa ngokwenza kwazo, na ngemisebenzi yezandhla zazo.

15 Ngokuba u tyo kimi uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Tabata isitya sewaini la lolulaka esandhleni sami, u puzise kuso izizwe zonke, engi ku tumela kuzo.

16 Zi ya kupuza, zi pubazele, zi hlanze, ngenxa yenkamba, engi ya kuituma pakati kwazo.

17 Nga se ngi tabata isitya esandhleni sika Jehova, nga puzisa izwe zonke a be ngi tumele kuzo uJehova;

18 iJerusalema, nemizi ya seJuda, namakosi alo, nezikulu zalo, ukuba ba ci-

teke; ba be isimangaliso, nesinengiso, ba tlukeke, njengaloku ku njalo na namhla;

19 uFaro, inkosi ya sEgipite, nezinceku zake, nezikulu zake, nabantu bonke bake,

20 Nabo bonke abezizwe ngezizwe, namakosi onke ezwe la seUze, namakosi onke ezwe lamaFilisiti, neAshkeloni, neAza, neEkroni, nensali ka Ashdodi,

21 iEdomi, neMoabi, nabantwana baka Amoni,

22 Namakosi onke a seTire, namakosi onke a seZidoni, namakosi eziqingi ezi ngapashesya kolwandhile,

23 iDedani, neTema, neBuzi, nabo bonke aba puculwa isilevu emacaleni.

24 Namakosi onke a seArabia, namakosi abezizwe ngezizwe, aba hlala ehlane,

25 Namakosi onke a seZimri, namakosi onke a seElamu, namakosi onke a seMedia,

26 Namakosi onke a senyakato, a kude na seduze, amanye ngamanye, nemibuso yonke yezwe e semhlabeni wonke; inkosi ya seSheshaki i ya kupuza emva kwabo.

27 U ya kuti kubo, U tyo uJehova, wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Puzani, ni dakwe, ni hlanze, ni we, ni nga be ni sa vuka, ngenxa yenkamba engi ya kuituma pakati kwenu.

28 Ku za kuti, nxa bala ukutabata isitya esandhleni sako, ukuba ba puze, u ya kuti kubo, U tyo uJehova wamabandhla, u ti, Ni ya kupuza impela.

29 Ngokuba, bheka, ngi ya qala ukwehlisela okubi emzini o bizwa ngegama lami, nina ni ya kutetelelwa ini na? A ni yi kutetelelwa; ngokuba ngi ya kubiza inkamba, ngi i tumele kubantu bonke bomhlaba; u tyo uJehova wamabandhla.

30 Kepa profeta kubo lawamazwi onke, u ti kubo, uJehova u ya kuduma pezulu, a pumise izwi lake endaweni yake engeweke; u ya kuduma kakulu pezu kwedhlo lake; ngokwenanela njengabanyatela amavini u ya kubapendula abantu bonke bezwe.

31 Ukuhlokoma ku ya kufinyelela emkaulweni womhlaba; ngokuba uJehova e pikisana nezizwe; u ya maugalela abantu bonke; ababi u ya kubanikela enkembeni; u tyo uJehova.

32 uJehova wamabandhla u tyo, u ti, Bheka, okubi ku ya kupuza kwesinye

isizwe ku ye kwesinye isizwe; isivunguvungu esikulu si ya kuvuswa emikaulweni yomhlaba.

33 Ngalolosuku ababuleweyo baka Jehova ba ya kuba kona ku qala komunye umkaulo womhlaba ku ze ku fike komunye umkaulo womhlaba; a ba yi kulilelwa, a ba yi kubutwa, a ba yi kumbelwa; ba ya kuba umquba emhlabeni.

34 Kalani, nina balusi, ni lile, ni bukuzeke, nina zikulu zomhlambi; ngokuba izinsuku zenu zokubulala zi pelile; ngi ya kunihlakaza, ukuba ni we njeesitya esihle.

35 Abalusi ba nga bi nakubaleka; nezikulu zomhlambi zi nga bi nakusinda.

36 Ku ya kuzwiwa izwi lokukala kwabalusi nelokulila kwezikulu zomhlambi; ngokuba uJehova u ya qeda idhlelo labo.

37 Amakaya amahle a ya citwa ulaka olukulu luka Jehova.

38 U shiyile umhume wake njengenonyama; ngokuba izwe labo li citekile ngolaka lobulalayo, na ngokutukutela kwake okukulu.

ISAHLUKO 26.

**E**KUQALENI kokubusa kuka Jehova kimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, kwa fika lelizwi li vela kuJehova, la ti,

2 U tyo uJehova, u ti, Yima egcekeni lendhlu ka Jehova, u kulume kuyo yonke imizi ya seJuda, ezayo ukukuleka endhlini ka Jehova, amazwi onke engi ku yala ngawo, ukuba u wa kulume kubo, u nga yeki nalinye izwi.

3 Mhlaumbe ba ya kulalela, ba penduke, ku be ilowo a penduke endhleleni yake embi; ukuba ngi guquke kuko okubi engi ti ngi ya kukwenza kubo, ngemisebenzi yabo emibi.

4 Yityo kubo, u ti, U tyo uJehova, u ti, Uma ni nga ngi laleli, ni hambe ngomteto wami, engi u misile pambi kwenu,

5 Ni lalele izinceku zami, abaprofeti, engi ba tumele kini, ngi qinisa ngi ba tuma, kepa a ni lalelanga;

6 Kona ngi ya kwenza lendhlu i be njengeShilo, ngi wenze lomuzi u tukwe ezizweni zonke zomhlaba.

7 Abapristi nabaprofeti nabantu bonke bezwa uJeremia e kuluma lawamazwi endhlini ka Jehova.

8 Kwa ti, uJeremia e se qedile ukukuluma konke a be m yalile ukuba a kulume kubantu bonke, abapristi nabaprofeti nabantu bonke ba m bamba, ba ti, U ya kufa impela.

9 U profeteleni ngegama lika Jehova, u ti, Lendhlu i ya kuba njengeShilo, na lomuzi u' ya kuciteka, u ngakiwa muntu? Abantu bonke ba butanela kuJeremia endhlini ka Jehova.

10 Izikulu za seJuda, se zi zwile loku, zesuka endhlini yenkosi, za kupuka za ngena endhlini ka Jehova, za hlala ngasesangweni elitya lendhlu ka Jehova.

11 Abapristi nabaprofeti ba se be tyo kuzo izikulu na kubo bonke abantu, ba ti, Lomuntu u fanele ukufa; ngokuba u profetile ngalomuzi njengaloku ni zwile ngezindhlebe zenu.

12 uJeremia wa tyo kuzo zonke izikulu, na kubantu bonke, wa ti, uJehova wa ngi tuma ukuba ngi profete ngalendhlu na ngalomuzi lawamazwi onke, eni wezwileyo.

13 A ke ni lungise ukuhamba kwenu nemisebenzi yenu, ni lalele izwi lika Jehova uTixo wenu, kona uJehova u ya kuguquka kuko okubi a ku tyiloyo ngani.

14 Mina, bheka, ngi sesandhleni senu; yenzani kimi okulungileyo nokufaneleyo ngokubona kwenu.

15 Kepa yazini impela ukuti, uma ni ngi bulala, impela ni ya kwehlisela igazi eli nge nacala kinina, na kulomuzi, na kwabake kuwo; ngokuba ngi qinisele uJehova u ngi tumele kini ukuba ngi kulume lawamazwi onke ezindhlebeni zenu.

16 Izikulu nabantu bonke ba se be ti kubapristi na kubaprofeti, Lomuntu ka fanele ukufa; ngokuba u kulumile kiti na ngegama lika Jehova, uTixo wetu.

17 Kwa se ku suka amalunga ezwe, a kuluma kuwo wonke umhlangano wabantu, a ti,

18 uMika wa seMorasha wa profeta ngezinsuku zika Hezekia, inkosi ya seJuda, wa tyo kubantu bonke ba seJuda, wa ti, U tyo uJehova wamabandhla, u ti, iZioni li ya kulinywa njengensimu, neJerusalema li ya kuba izinwaba, nentaba yendhlu i ya kuba imimango yehlali.

19 uHezekia, inkosi ya seJuda, naba seJuda bonke ba m bulala na? a ka ni esabanga uJehova ini, wa m nxusa uJehova, uJehova wa guquka ebubini, a

be bu tyilo ngabo? kepa se si za kuyona imipefumlo yetu ngokona okukulu.

20 Kwa ku kona futi umuntu owa profeta ngegama lika Jehova, uUrija, indodana ka Shemaia wa seKirjatjearimi, wa profeta ngalomuzi na ngalilizwe, njengamazwi onke ka Jeremia.

21 uJehoakimu, inkosi, namaqawe onke ake, nezikulu zonke, se zi zwile amazwi ake, inkosi ya funa ukumbulala; kepa uUrija, se e ku zwile, wesaba, wa baleka wa ya Egipte.

22 uJehoakimu, inkosi, wa tuma abantu, ba ya Egipte, uElnatani, indodana ka Akbori, nabantu abatile kanye naye ba ya Egipte.

23 Ba m kipa uUrija Egipte, ba m yisa kuJehoakimu, inkosi; wa m bulala ngenkamba, wa ponsa isidumbu sake ematuneni abantu.

24 Kepa isandhla sika Ahikamu, indodana ka Shafani, sa si naye uJeremia, ka nga nikelwa esandhleni sabantu ukuba ba m bulale.

#### ISAHLUKO 27.

**E**KUQALENI kokubusa kuka Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, lelizwi la fika kuJeremia li vela ku Jehova, li ti,

2 U tyo uJehova kimi, u ti, zenzele inicio namajokwe, u wa fake entanyeni yako,

3 U wa tumele enkosini ya seEdomi, na senkosini ya seMoabi, na senkosini yamaAmoni, na senkosini ya seTire, na senkosini ya seZidoni, ngesandhla sezigijimi ezi ze eJerusalema kuZedekia, inkosi ya seJuda;

4 U zi yale ukuba zi ti emakosini azo, U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka-Israeli, u ti, A no tyo emakosini enu, ni ti,

5 Ngenzile umhlaba, nabantu, nezilwane ezi semhlabeni, ngamandhla ami amakulu, na ngengalo yami eyelulekileyo, ngi u nikile lowo ofaneleyo ngokubona kwami.

6 Manje se ngi nikele lawamazwe onke esandhleni sika Nebukadnezari, inkosi ya seBabulona, inceku yami; ngi m nikile nezilwane za sendhle ukuba zi m konze.

7 Nezizwe zonke zi za kumkonza, nendodana yake, nendodana yendodana yake, ku ze ku fike isikati sezwe lake; kona izizwe eziningi namakosi amakulu a ya kumkonzisisa.

8 Ku za kuti lesosizwe na lowombuso esi nga yi kumkonza uNebukadnezari lowo, inkosi ya seBabulona, nesi nga yi kufaka intamo yase ejokweni lenkosi ya seBabulona, lososizwe ngi ya kusityaya, u tyo uJehova, ngenkamba, na ngedhlala, na ngesifo, ngi ze ngi si qede ngesandhla sake.

9 Ngako ni nga ba laleli abapristi benu, nezanusi zenu, nabapupi benu, nababuli benu, nezinyanga zenu, abatyoyo kini be ti, Ni nga konzi inkosi ya seBabulona.

10 Ngokuba ba profeta amanga kini ukuba ni suswe kude nezwe lenu, nokuba ngi ni xotye, ni ze ni bube.

11 Kepa lezozizwe ezi faka intamo yazo ejokweni lenkosi ya seBabulona, zi i konze, ngi ya kuziyeka ezweni lazo, u tyo uJehova; zi ya kulilima, zi hlale kulo.

12 Nga kuluma na kuZedekia, inkosi ya seJuda, ngalawamazwi onke, nga ti, Fakani izintamo zenu ejokweni lenkosi ya seBabulona, ni i konze yona nabantu bayo, ni pile.

13 Ni ya kufelani, wena nabantu bako, ngenkamba, na ngendhlala, na ngesifo, njengokutyoko kuka Jehova ngalesosizwe esi nga yi kukonza inkosi ya seBabulona?

14 Ngako ni nga laleli amazwi abaprofeti abatyoyo kini be ti, Ni nga konzi inkosi ya seBabulona, ngokuba ba profeta amanga kini.

15 A ngi ba tumanga, u tyo uJehova, kepa ba profeta amanga ngegama lami, ukuba ngi ni xotye, ni ze ni bube, nina nabapristi aba profeta kini.

16 Nga kuluma na kubapristi na kulabantu bonke, nga ti, U tyo uJehova u ti, Ni nga laleli amazwi abaprofeti benu, aba profeta kini, be ti, Bheka, izitya zendhlu kaJehova zi za kubuyiswa eBabulona masinyane; ngokuba ba profeta amanga kini.

17 Ni nga ba laleli; konzani inkosi ya seBabulona, ni pile; lomuzi u za kucitkelani na?

18 Kepa uma be ngabaprofeti, uma izwi lika Jehova li kubo, a ba nxuse kuJehova wamabandhla, ukuba izitya eziseleyo endhlini ka Jehova, na sendhlini yenkosi ya seJuda, na seJerusalema, zi nga yi eBabulona.

19 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla ngezisuka, na ngolwandhle, na ngezisekelo, na ngensalo yezitya eziseleyo kulomuzi,

20 A nga zi tabatanga uNebukadnezari, inkosi ya seBabulona, lapo e tumba uJekonia, indodana ka Jehoakimu, inkosi ya seJuda, eJerusalema wa i yisa eBabulona, nezikulu zonke za seJuda neza seJerusalema;

21 Yebo, u tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, ngezitya eziseleyo endhlini ka Jehova, na sendhlini yenkosi ya seJuda, na seJerusalema, u ti,

22 Zi ya kuyiswa eBabulona, zi be kona ku ze ku fike usuku eugi ya kuhambela kuzo ngalo, u tyo uJehova; kona ngi ya kuzikupula, ngi zi buyisele kulendawo.

ISAHLUKO 28.

**K**WA ti ngalowomnyaka, ekuqaleni kokubusa kuka Zedekia, inkosi ya seJuda, ngomnyaka wesine, ngenyanga yesihlanu, uHanania, indodana ka Azuri, umprofeti wa seGibeoni, wa kuluma kimi endhlini kaJehova, pambi kwabapristi nabantu bonke, wa ti,

2 U tyo uJehova wamabandhla uTixo ka Israeli, u ti, Ngapulile ijokwe lenkosi ya seBabulona.

3 Ku nga ka peli iminyaka emibili ngi ya kubuyisela kulendawo izitya zonke zendhlu ka Jehova, a zi tabatayo kulendawo uNebukadnezari, inkosi ya seBabulona, wa zi yisa eBabulona;

4 Ngi ya kubuyisela kulendawo uJekonia, indodana ka Jehoakimu inkosi ya seJuda, kanye nezitunjwa zonke za seJuda eza ya eBabulona, u tyo uJehova, ngokuba ngi ya kwapula ijokwe lenkosi ya seBabulona.

5 Kona uJeremia umprofeti wa ti kuHanania umprofeti pambi kwabapristi, na pambi kwabantu bonke abemiyo endhlini ka Jehova;

6 Wa ti uJeremia umprofeti, Amen!; a kenze njalo uJehova; uJehova ma wa qinise amazwi ako o wa profetileyo, ngokubuyisa izinto zendhlu ka Jehova, nezitunjwa zonke, eBabulona zi ze kulendawo.

7 Kodwa yizwake izwi engi li kulumayo ezindhlebeni zako, na sezindhlebeni zabantu bonke;

8 Abaprofeti aba be pambi kwami na pambi kwako kwa sendulo ba profeta ngamazwe amaningi, na ngemibuso emikulu, na ngokulwa, na ngesifo.

9 Umprofeti o profeta ngokutula, nxa izwi lomprofeti li qiniseka, u ya kwaziwa lomprofeti ukuti uJehova u m tumile impela.

10 Kona uHanania umprofeti wa susa ijokwe entanyeni ka Jeremia, umprofeti, wa lapula.

11 uHanania wa kuluma pambi kwabantu bonke, wa ti, U tyo uJehova, u ti, Ngi ya kulapula kanjena ijokwe lika Nebukadnezari, inkosi ya seBabulona entanyeni yezizwe zonke, ku nga ka peli iminyaka emibili. uJeremia umprofeti wa e semuka.

12 Kona izwi lika Jehova leza kuJeremia, uHanania umprofeti se e lapulile ijokwe entanyeni ka Jeremia umprofeti, li ti,

13 Hamba u ye u m tyele uHanania, u ti, U tyo uJehova, u ti, U wapulile amajokwe emiti, kepa wo wenza amajokwe ensimbi endaweni yawo.

14 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ngi fakile ijokwe lensimbi entanyeni yalezizizwe zonke, ukuba zi m konze uNebukadnezari, inkosi ya seBabulona; zo m konza; ngi m nikile nezilwane za sendhle.

15 Kona uJeremia umprofeti wa ti kuHanania umprofeti, Yizwake, Hanania, uJehova ka ku tumanga; kepa u ya benza lababantu betembe amanga.

16 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kukuxotya ebusweni bomhlaba; u za kufa nonyaka, ngokuba u fundisile ukuhlubuka kuJehova.

17 Wa fa uHanania ngalowomnyaka, ngenyanga yesikombisa.

ISAHLUKO 29.

**L**AWA a ngamazwi enewadi uJeremia umprofeti a i tumayo e seJerusalema ya ya ensalweni yamalunga a e tunjiwe na kubapristi, na kubaprofeti, na kubantu bonke a ba tumba uNebukadnezari eJerusalema wa ba yisa eBabulona;

2 (uJekonia inkosi, nenkosikazi, nezinceku, izikulu za seJuda neza seJerusalema, nababazi, nabakandi, se be mukile eJerusalema);

3 Wa i tuma ngesandhla sika Elasa indodana ka Shafani, noGemaria indodana ka Hilkia, aba tunywa uZedekia inkosi ya seJuda ukuya eBabulona kuNebukadnezari inkosi ya seBabulona, e ti,

4 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, kubo bonke abatunjiweyo, engi benzileyo ukuba ba tunjwe eJerusalema ba yiswe eBabulona, u ti,

5 Yakani izindhlu, ni hlale kuzo; tyalani amasimu, ni dhle izitelo zawo.

6 Tabatani abafazi, ni zale amadodana namadodakazi; tabatelani amadodana enu abafazi, nendise izintombi zenu emadodeni, ukuba ba zale amadodana namadodakazi, ni ze nande kona, ni nga ncipi;

7 A no funa ukutula kwa lowomuzi engi nenzileyo ukuba ni tunjwe ni yiswe kuwo, ni u kulekele kuJehova; ngokuba ekutuleni kwawo nani ni ya kuba nokutula.

8 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ni nga kohliswa abaprofeti nezanusi aba kona pakati kwenu, ni nga laleli amapupo enu eni zipupisa wona.

9 Ngokuba ba profeta amanga kini ngegama lami; a ngi ba tumanga; u tyo uJehova.

10 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Se ku pelile iminyaka emashumi a isikombisa eBabulona, ngi ya kuhambela kini, ngi ni fezele izwi lami elihle ngokunibuyisela kulendawo.

11 Ngokuba ngi ya zazi izizindhlo, engi zi zindhla ngani, u tyo uJehova, izizindhlo zokutula, a zi sizo ezobubi, ukuba ngi ni nike ukugcina netemba.

12 Kona ni ya kungibiza, ni ye ni kuleke kimi, ngi ya kuniyalela.

13 Ni ya kungifuna, ni ngi fumane, nxa ni ngi funa ugenhliziyo yenu yonke.

14 Ngi ya kufunyanwa ini, u tyo uJehova; ngi ya kunibuyisa ekutunjweni kwenu, ngi ni bute ezizweni zonke, na sezindaweni zonke, engi ni xotyele kuzo, u tyo uJehova; ngi ya kunibuyisela kuleyondawo enga nenzayo ukuba ni tunjwe kuyo.

15 Ni tyilo ni ti, uJehova u si vusele abaprofeti eBabulona;

16 U tyo uJehova ngenkosi e hleziyo esihlalweni sika Davida, na ngabantu bonke abahleziyo kulowomuzi, na ngabafowenu aba nga tunjiwe kanye nani;

17 U tyo uJehova wamabandhla, u ti, Bheka ngi ya kutumela kubo inkemba, nendhlala, nesifo, ngi benze ba be ngenamakiwane amabi, a nge nakudhliwa ngobubi bawo.

18 Ngi ya kubalandela ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo, ngi ba nikele emibusweni yonke yomhlaba ukuba ba hlupeke, ba tukwe, ba citeke, beiswe, ba delelwe, ezizweni zonke engi ba xotyele kuzo;

19 Ngokuba a ba lalelanga amazwi ami, u tyo uJehova, enga wa tumayo kubo ngesandhla sezinceku zami abaprofeti, nga qinisa nga tuma; kepa a ni lalelanga, u tyo uJehova.

20 Yizwani izwi lika Jehova, nina zitunjwa, engi ni kipile eJerusalema, nga ni yisa eBabulona;

21 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, ngaye uAhabi, indodana ka Kolaia, na ngaye uZedekia, indodana ka Maseia, aba profeta amanga kini ngegama lami, u ti, Bheka, ngi ya kubanikela esandhleni sika Nebukadnezari, inkosi ya seBabulona; yena u ya kubalalala pambi kwenu.

22 Izitunjwa zonke za seJuda ezi seBabulona zi ya kutabata kubo isituko sokuti, uJehova a kwenze u be njengoZedekia na njengoAhabi eya bosayo inkosi ya seBabulona emlilweni;

23 Ngokuba benzile amanyala kwa-Israeli, ba pinga nabafazi babakelene nabo, ba kuluma amanga ngegama lami, engi nga ba yalalanga kona; ngi yazi mina impela, ngi ngufakazi, u tyo uJehova.

24 Yityo na kuShemaia umNehelami, u ti,

25 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ngokuba u tumile izinewadi ngegama lako kubantu bonke aba seJerusalema, na kuZefania, indodana ka Maseia umpristi, na kubo bonke abapristi, wa ti,

26 uJehova u kwenzile u be umpristi esikundhleni sika Jehoiada umpristi, ukuba ni be izinduna zendhlu ka Jehova, ukuze u fake etilongweni ohlanyayo nozenzayo umprofeti u m bope.

27 Ngani u nga nqabeli uJeremia wa seAnatoti, o zenza umprofeti kini?

28 Ngokuba ngaloku wa tuma inewadi kitina eBabulona, e ti, Ku ya kuba isikati eside lokukutunjwa; yakani izindhlu, ni hlale kuzo; tyalani amasimu, ni dhle izitelo zawo.

29 uZefania umpristi wa funda lenewadi ezindhlebeni zika Jeremia umprofeti.

30 Kona izwi lika Jehova le za kuJeremia, li ti,

31 Tuma kuzo zonke izitunjwa, u ti, U tyo uJehova ngaye uShemaia umNehelami, u ti, Loku uShemaia u profetile kini, ngi nga m tumile, wa netembisa amanga;

32 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kumtyaya uShemaia umNehelami,

mi, nenzalo yake; a ka yi kuba namuntu o za kuhlala pakati kwalabantu; a ka yi kubona ubuhle engi ya kubenza abantu bami, u tyo uJehova; ngokuba u cebile ukhulubuka kuJehova.

ISAHLUKO 30.

**I**ZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova li ti,

2 U tyo uJehova uTixo ka Israeli, u ti, Loba enwadini amazwi onke engi wa tyiloyo kuwe;

3 Ukuti, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kubuyisa ngazo abantu bami abatanjweyo abakwaIsraeli nabakwaJuda, u tyo uJehova; ngi ya kubabuyisela ezweni enga li nika oyise babo, ba ya kulifuya.

4 Lawa a ngamazwi a wa tyiloyo uJehova ngabakwaIsraeli na ngabakwaJuda;

5 U tyo uJehova, u ti, Si zwile izwi lokutumela, nelokwesaba, a silo elokutula.

6 Buzani ni bone uma indoda i ke i belete ini na? po, ngi bona ngani amadoda onke e hlala izandhla zawo zi sokalweni njengomfazi e beleta, nobuso bonke bu papatekile?

7 Au! lukulu losoku! a lu ko olu ngangalo; ko ba isikati sosizi kuJakobe, kodwa u ya kusindiswa kulo.

8 Ku ya kuti ngalolosuku, u tyo uJehova wamabandhla, ngi ya kwapula ijokwe lake entanyeni yako, ngi ya kuqabula izibopo zako, abezizwe a ba sa yi kumsebenzisa;

9 Ba ya kukonza uJehova uTixo wabo, noDavida inkosi yabo, engi ya kubavusela yena.

10 U ngesabi, neeku yami Jakobe, u tyo uJehova, u nga tyaywa uvalo, wena Israeli. Ngokuba, bheka, ngi ya kukusindisa u kude, nenzalo yako ezweni e tunjelwe kulo; uJakobe u ya kubuya, a pumule, a hlale kahle, a ngesatyiiswa muntu.

11 Ngokuba ngi nawe, u tyo uJehova, ukuba ngi ku sindise; noma ngi qeda nya izizwe zonke, engi ku hlakezele kuzo, a ngi yi kukuqeda wena; kepa ngi ya kukutyaya ngokufaneleyo, ngi nga ku teteleli impela.

12 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Inxeba lako a li nakupola, umvimbo wako a u nakusinda.

13 A ku ko namunye o mela icala lako ukuba u botywe; a u namiti yokupolisa.

14 Izihlobo zonke zako zi kohliwe uwe; a zi buzi indaba ngawe; ngokuba ngi ku tyayile ngokutyaya kwesita, ngokutyaya okwesabekayo ngobuningi bamacala ako, ngokuba izono zako zandile.

15 U kalelani ngenxeba lako? usizi lwako a lu nakupiliiswa ngobuningi bamacala ako; ngokuba izono zako zandile ngenzile loku kuwe.

16 Kepa bonke aba ku dhlayo ba ya kudhliwa; zonke izita zako zi ya kutunjwa, zonkana; bonke aba ku pangayo ba ya kupangwa; nabo bonke aba kwamukayo, ngi ya kubanikela ukuba bamukwe.

17 Ngokuba ngi ya kubuyisela ukupila kuwe, ngi polise amanxeba ako, u tyo uJehova; ngokuba ba ku biza ba ti, Umhambuma, iZioni leli oku nga buzwa muntu ngalo.

18 U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kubuyisa amatente ka Jakobe ekutunjweni, ngi haukele izindhlu zake; umuzi u ya kwakiwa egqumeni lawo, nendhlunkulu i ya kuma ngokufaneleyo.

19 Ku ya kupuma kuzo ukubonga nezwi labatokozayo; ngi ya kubandisa, a ba yi kuncipa; ngi ya kubadumisa, a ba yi kweiswa.

20 Nabantwana babo ba ya kuba nje ngokuqala; nesizwe sabo si ya simami-swa pambi kwami; ngi ya kubatyaya bonke aba ba cindezelayo.

21 Amakosi abo a ya kuba a waku-bo, nombusi wabo u ya kuvela pakati kwabo; ngi ya kumsondeza, u ya kusondela kimi; ngokuba u ngubani yena o qinisile ngenhliziyo yake ukuze a sondele kimi? u tyo uJehova.

22 Ni ya kuba abantu bami, mina ngi ya kuba uTixo wenu.

23 Bheka, isivunguvungu sika Jehova, ulaka lu pumile, isipepo esikukulayo, si ya kuvunguza ekanda lezoni.

24 Ulaka olutyisayo luka Jehova a lu yi kubuya, e nga kenzi, e nga ka fezi amacebo enhliziyo yake; ngezinsuku zokupela ni kuqonde loku.

ISAHLUKO 31.

**N**GALESOSIKATI ngi ya kuba uTixo wezindhlu zonke zika Israeli, zona zi ya kuba abantu bami.

2 U tyo uJehova u ti, Abantu abasindileyo enkembeni ba fumene umusa ehlane; suka ukuba u m pumuze, ngi tyo uIsraeli.

3 uJehova wa bonakala kimi e vela kude; ngi ku tandile ngotando olupakade; ngako ngi kwenezelele ububele.

4 Ngi ya kubuya ngi kwake, u ya kwakiwa, Ntombi ka Israeli; u ya kubuya u hlobe ngezigubu zako, u ye eku-sineni kwabatokozayo.

5 U ya kubuya u tyale izivini ezintabeni za seSamaria; abatyalali ba ya kuzityala ba dhle izitelo zazo.

6 Ngokuba ku ya kufika usuku aba ya kumemeza ngalo abalindi ba sentabeni ka Efraimi, be ti, Sukani, a senyuka, si ye eZioni, kuJehova uTixo wetu.

7 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bongani uJakobe ngokutokoza, nenanele enhlokweni yezizwe; memzelani, ni bongwe, ni ti, E Jehova, ba sindise abantu bako, insali ka Israeli.

8 Bheka, ngi ya kubatabata ezweni la senyakato, ngi ba bute ekugecini komhlaba; kanye nabo aba izimpumputi, nezinyonga, nabakulelweyo, nababeletayo; isizwe esikulu si ya kubuyela lapa.

9 Ba ya kuza be lila; ngi ya kubahola be kuleka; ngi ya kubahambisa ngasemifuleni yamanzi ngendhlela eqondayo, aba nga yi kukubeka kuyo; ngokuba ngi nguyise ka Israeli, uEfraimi u izibulo lami.

10 Yizwani izwi lika Jehova, nina zizwe, ni li memezele eziqingini ezikude, ni ti, Lowo owa m citayo uIsraeli u ya kubuya a m bute, a m linde njengomalusi e linda umhlambi wake.

11 Ngokuba uJehova u m hlaulele uJakobe, wa m hlenga esandhleni sonamandhla amakulu kunaye.

12 Ba ya kufika, benanela eZioni pezulu, ba butane lapa ebuhleni buka Jehova, ngamabele, na ngewaini, na ngamafuta, na ngamaundhlu ezimvu, na ngamatole; umpefumlo wabo u ya kubuya njengasimu e telwa amanzi; a ba sa yi kubuya ba pele mandhla.

13 Kona intombi i ya kutokoza ekusineni, nabesilisa abatya nabadala ndawonye; ngi ya kupendula ukukala kwabo ku be ukutokoza, ngi ba duduze, ngi ba jabulise ba nga bi nasizi.

14 Ngi ya kukolisa umpefumlo wabapristi ngamafuta; abantu bami ba ya kusuta ubuhle bami, u tyo uJehova.

15 U tyo uJehova, u ti, Izwi lezwakala eRama, ukulila nokukala okunzima, uRakeli e kalela abantwana bake ala ukududuzelwa abantwana bake, ngokuba ka ba se ko.

16 U tyo uJehova, u ti, Geina izwi lako u nga lili, namehlo ako u nga kali izinyembezi; ngokuba umsebenzi wako u ya kuba nomvuzo, u tyo uJehova; ba ya kubuya ezweni lesita.

17 Ku kona itemba ngokugeina kwako, u tyo uJehova; abantwana ba ya kubuyela ezweni la kubo.

18 Impela ngi m zwile uEfraimi, e zikalela, e ti, U ngi tyayile, nga tyaywa njengenkabi e nga jwayeli ijokwe; ngi buyise ngi ze ngi buye, ngokuba wena u nguJehova, uTixo wami.

19 Impela emva kokuhlubuka kwami nga ba nosizi, na ngasemva kokubona kwami nga tyaya itanga lami; nga ba namahloni, nga jaba, ngokuba nga twala ihlazo lobutya bami.

20 uEfraimi u indodana yami etandekayo ini, unntwana omnene na? ngokuba nxa ngi kuluma okubi ngaye ngi ya m kumbula; ngako izibilini zami zi katazeke ngaye; ngi ya kumhaukela impela, u tyo uJehova.

21 Zibekele izibonakaliso, u zi misele izibonda, beka inhlizyo yako emendweni, endhleleni owa hamba ngayo. Buya, ntombi ka Israeli; buyela kulemizi yako.

22 U ya kuhambahamba ku ze ku be nini, wena ndodakazi ehlubukayo? ngokuba uJehova wenzile into entya emhlabeni, owesifazana u ya kupalila indoda.

23 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ku sa kutyiwo lelizwi ezweni la seJuda, na semizini yalo, nxa ngi buyisa izitunjwa zabo, lokuti, uJehova a ku busise, wena kaya lokulunga, ntaba yendawo engewele.

24 Ba ya kuhlala eJuda na semizini yonke yalo ndawonye, abalimi nabo abapumayo nemihlambi.

25 Ngokuba ngi ya kumpuzisa owomileyo, ngi ba sutise bonke abapela-mandhla.

26 Nga se ngi vuka, nga bheka; ubutongo bami ba bu mnaudi kimi.

27 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kutyala ngazo indhlu ka Israeli, nendhlu ka Juda, ngembeu yabantu, na ngembeu yezinkomo.

28 Ku za kuti njengaloku ngi ba lindile ukuze ngi ba sipule, ngi ba dilize, ngi ba cite, ngi ba bulale, ngi ba qede; ngi ya kubalinda ukuze ngi bake, ngi ba tyale, u tyo uJehova.

29 Ngalezozinsuku a ku sa yi kutyi-



wo ukuti, Oyise ba dhlile amavini ababayo, amazinyo abantwana a butuntu; 30 Kepa ilowo u ya kufa ngokona kwake; lowo odhlayo amavini ababayo amazinyo ake a ya kuba butuntu.

31 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kwenza ngazo isivumelwano esitya nendhlu ka Israeli, nendhlu ka Juda;

32 Si nga bi njengesivumelwano enga senzayo noyise babo msukwana ngi bambaba isandhla sabo, ukuba ngi ba kipe ezweni la sEgipite; aba sapula isivumelwano sami, noma be ngi umyeni wabo, u tyo uJehova.

33 Kepa lesi si isivumelwano engi ya kusenza nendhlu ka Israeli emva kwa lezozinsuku, u tyo uJehova; ngi ya kubeka umteto wami pakati kwabo, ngi u lobe enhliziyweni yabo; ngi be uTixo wabo, ba be abantu bami.

34 A ba sa yi kufundisani, umuntu owakelene naye, nomuntu umfo wabo, be ti, Yazani uJehova; ngokuba ba ya kungazi bonke, nabancinyane nabakulu, u tyo uJehova; ngokuba ngi ya kutetelela ububi babo, a ngi sa yi kukumbula ukona kwabo.

35 U tyo uJehova, owenza ilanga li be ukukanya emini, nezimiso zenyanga nezeziukanyezi zi be ukukanya ebusuku; o vusa ulwandhle ku dume amadhlambi alo; uJehova wamabandhla igama lake, u ti,

36 Uma lezizimiso zi dhlula zi nga bi ko pambi kwami, u tyo uJehova, se i za kupela inzalo ka Israeli i nga bi isizwe pambi kwami.

37 U tyo uJehova, u ti, Nxa amazulu a pezulu e linganiswa, nezisekelo zomhlaba zi hlolwa pansu, kona ngi ya kulhala inzalo yonke ka Israeli, ngako konke aba kwenzileyo, u tyo uJehova.

38 Bheka, izinsuku zi yeza, u tyo uJehova, o ya kwakiwani ngazo umuzi ka Jehova, u qale embotyongweni ka Hananeli u ze u fike esangweni legumbi.

39 Intambo yokulinganisa i ya kupuma i dhlule, i qonde i ze u fike entabeni eGarebi, i pendukele ngaseGoati;

40 Isihlambo sonke sezidumbu nesomlota, nezwe lonke ku ze ku fike emfuleni eKedroni, ku ze ku fike egumbini lesango lamahashi ngasempumalanga, ko ba ngewele kuJehova, ku nga be ku sa citwa, ku qedwe ku ze ku be pakade.

IZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova ngomnyaka weshumi ka Zedekia, inkosi ya seJuda, owa u ngumnyaka weshumi na shiyagalombili ka Nebukadrezari.

2 Ngalesosikati impi yenkosi ya seBabulonia ya haqa iJerusalema; uJeremia umprofeti wa e valelwa ebaleni letilongo, ela li sendhlini yenkosi ya seJuda.

3 uZedekia inkosi ya seJuda wa e m valele, e ti, U profetelani, u ti, U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela lomuzi esandhleni senkosi ya seBabulonia; i ya kuunqoba.

4 uZedekia, inkosi ya seJuda, a ka yi kusinda esandhleni samaKaldea, kepa u ya kunikelwa esandhleni senkosi ya seBabulonia impela, a kulume nayo ngomlomo, a i bone ngamehlo ake;

5 I ya ku m yisa uZedekia eBabulonia; u ya kuhlala kona ngi ze ngi hambele kuye, u tyo uJehova; noma ni lwa namaKaldea a ni yi kwahlula.

6 uJeremia wa ti, Izwi lika Jehova la fika kimi, la ti,

7 Bheka, uHanameli, indodana ka Shalumi, uyihlokazi, u ya kufika kuwe u ti, Tenga izwe lami, eli seAnatoti, ngokuba ngomteto wokuhlenga u nga li tenga.

8 Kwa njalo uHanameli indodana ka babakazi weza kimi ebaleni letilongo njengokutyo kuka Jehova, wa ti kimi, A u tenge izwe lami, eli seAnatoti, eli sezweni lika Benjamin; ngokuba ngomteto u nga li dhla, u nga li hlenga; zitengele. Kona nga bona ukuti, leli la li izwi lika Jehova.

9 Nga li tenga izwe kuHanameli, indodana ka babakazi, ela li seAnatoti, nga m linganisela imali, amashekela esiliva a ishumi nesikombisa.

10 Nga loba encwadini, nga beka upau, nga tabata ofakazi, nga linganisa imali ngesikalo.

11 Nga tabata inewadi yentengo, leyo eya i namateliswe ngopau njengomteto nesimiso, na leyo evulekileyo.

12 Nga i nikela inewadi yentengo kuBaruki, indodana ka Neria, indodana ka Maseia, pambi kuka Hanameli, indodana ka babakazi, na pambi kofakazi abaloba encwadini yentengo, na pambi kwaBaJuda aba be hlezi ebaleni letilongo.

13 Nga m yala uBaruki pambi kwabo, nga ti,

14 U tyo uJehova wamabandhla, uTixo kaIsraeli, u ti, tabata leziziwadi, lenewadi yentengo, le e namateliwe ngopau, na lenewadi e vulekileyo; u zi fake esityeni sebumba, ukuba zi me izinsuku eziningi.

15 Ngokuba u tyo uJehova wamabandhla, uTixo ka Israeli, u ti, Ko buya ku fuywe izindhlu, namasimu, nezivini, kulelizwe.

16 Se ngi nikele inewadi yentengo kuBaruki indodana ka Neria, nga kuleka kuJehova, nga ti,

17 E Nkosi Jehova, bheka, wenzile izulu nomhlaba ngamandhla ako amakulu na ngengalo yako elulekileyo; a ku ko uto olu kwahlulayo.

18 U benzela aba izinkulungwane umusa, u pindelisele izono za woyise esifubeni sabantwana babo emva kwabo; uTixo omkulu, o namandhla, uJehova wamabandhla igama lako.

19 U mkulu ngokuceba, u namandhla ngokwenza; ngokuba amehlo ako a vulekele izindhlala zonke zamadodana abantu, ukuba u ba pe bonke njengokuhamba kwabo, na njengokutela kwemisebenzi yabo;

20 U misile izibonakaliso nezimangaliso ezweni la sEgipite ku ze ku be namhla, na kwaIsraeli, na kwabanye abantu, wa zenzela igama, njengaloku ku njalo na namhla;

21 Wa kipa abantu bako abaIsraeli ezweni la sEgipite ngezibonakaliso, na ngezimangaliso, na ngesandhla esi namandhla, na ngengalo elulekileyo, na ngokwesabisa okukulu;

22 Wa ba nika lelizwe, owa funga ngalo koyise babo, wa ti u za kubanika lona, izwe eli vama ubisi nezinyosi;

23 Ba ngena, ba li fuya; kepa a ba lalanga izwi lako, a ba hambanga ngomteto wako; a benzanga uto kuko konke o ba yala ukuba ba kwenze, ngako u behlisele lobububi bonke.

24 Bheka, nazi izindonga, se be ze emzini ukuba ba u nqobe; umuzi u nikelwe esandhleni samaKaldea a lwa nawo, ngenkamba, na ngendhlala, na ngesifo; loko owa ku tyoyo se kwenzekile, bheka, nawe u ya kubona.

25 U tyilo kimi, Nkosi Jehova, wa ti, zitengele izwe ngemali, u tabate ofakazi, kepa umuzi u nikelwe esandhleni samaKaldea.

26 Izwi lika Jehova la buya leza kuJeremia, la ti,

27 Bheka, ngi nguJehova, uTixo wabantu bonke; ku kouna ini oku ngahlulayo?

28 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela lomuzi esandhleni samaKaldea, na sesandhleni sika Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona; u ya kunqoba;

29 NamaKaldea, a lwa nalomuzi, a ya kufika, a u tungele lomuzi, a u tyise, nezindhlu, aba nikele pezu kwazo impepo kuBali, be ba telela abanye otixo iminikelo yokupuza, ba ze ba ngi tukutelise.

30 Ngokuba abakaIsraeli nabaka Juda benzile okubi kodwa pambi kwami kwasebutyeni babo; ngokuba abaka Israeli ba ngi tukutelisile kupela ngemisebenzi yezandhla zabo, u tyo uJehova.

31 Ngokuba lomuzi u bu into yokungitukutalisa nokupemba ulaka lwami iloku kwakiwa ku ze ku be namhla; ukuba ngi u suse pambi kwami,

32 Ngako konke okubi kwabaka Israeli nokwaba Juda, aba kwenzileyo ukuba ba ngi tukutelise, bona, namakosi abo, nezikulu zabo, nabapristi babo, nabaprofeti babo, nabantu baka Juda nabakileyo eJerusalema;

33 Ba ngi fulatela, be nga ngi bheki, noma nga ba fundisa, ngi vuka ngi fundisa, kepa a ba lalanga ukuba ba kwamkele ukufundiswa.

34 Kepa ba bekile okunengekayo endhlini e bizwa ngegama lami, ukuba ba i ngcolise.

35 Ba zaka izindawo ezipakamileyo zika Bali, ezi sesihlanjeni sika Benhinomi, ukuba ba dhlulise amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, be konza uMoleki, into engi nga i yalezanga, a ku ngenanga enhliziyweni yami ukuti ba za kwenza loku okunengekayo ukuba ba monise uJuda.

36 Ngako u tyo uJehova, uTixo ka Israeli, ngalomuzi, eni ti ngawo, U ya kunikelwa esandhleni senkosi ya seBabulona ngenkamba, na ngendhlala, na ngesifo, u ti,

37 Bheka, ngi ya kubabuta emazweni onke, engi ba xotyele kuwo ngokutukutela kwami, na ngokuvukela kwami, na ngolaka lwami olukulu; ngi ya kubabuyisela kulendawo, ngi ba hlalise kahle;

38 Ba ya kuba abantu bami, ngi be uTixo wabo;

39 Ngi ya kubapa inhliziyi inye, nezindhlala inye, ukuba ba ngi hlonipe ngezi-

kati zonke, ku be kuhle kubo na kubantwana babo emva kwabo.

40 Ngi ya kwenza nabo isivumelwano esipakade ukuba ngi nga ba fulateli, ngi nga benzeli okudhle; kepa ngi ya kubeka ukuhlonitywa kwami ezinhlizyweni zabo, ukuba ba ngemuki kimi.

41 Ngi ya kutokoza ngabo, ngi ze ngi benzele okuhle; ngi ya kubatyala kulelizwe impela ngenhliziyo yonke yami na ngompefumlo wonke wami;

42 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Njengaloku ngehlisele lobububi bonke obukulu kulababantu, kanjalo ngi ya kwehlisele kubo ubuhle bonke engi bu tyilo yoku kubo.

43 Amazwe a ya kutengwa kulelizwe, eni ti ngalo, Li citekile, ku nge ko abantu nezilwane; li nikelwe esandhlani samaKaldea.

44 Ba ya kutenga amazwe ngemali, ba lobe encwadini, ba beka upau, ba tabate ofakazi ezweni lika Benjamini, na sezindaweni ezi ngaseJerusalema, na semizini ya seJuda, na semizini ya sezintabeni, na semizini ya sesihlanjeni, na semizini ya seningizimu; ngokuba ngi ya kubuyisa izitunjwa zabo, u tyo uJehova.

ISAHLUKO 33.

**I**ZWI lika Jehova la buya leza kuJeremia ngokwesibili, e se botyiwe ebaleni letilongo, la ti,

2 U tyo uJehova, o lenzayo, uJehova o li cebayo ukuba a li feze, uJehova igama lake, u ti,

3 Kuleka kimi, ngi za kukupendula, ngi ku bonise izinto ezinkulu nezifihlekileyo, o nga zaziyo.

4 Ngokuba u tyo uJehova, uTixo ka Israeli, ngezindhlu zalomuzi, na ngezindhlu zamakosi a seJuda, eza bidhlizwa ngezindonga na ngenkemba;

5 Beza ukulwa namaKaldea, nokuzigwalisa ngezidumbu zabantu, engi ba buleleyo ngokutukutela kwami, na ngolaka lwami, be ngi u fihlele lomuzi ubuso bami ngokona konke kwabo.

6 Bheka, ngi ya u letela ukupila nokusinda, ngi ba sindise, ngi bambulele ukuvama kokutela neqiniso.

7 Ngi ya kubuyisa izitunjwa za kubaJuda, nezitunjwa za kubaIsraeli, ngi bake njenga sekuqaleni.

8 Ngi ba hlambulule ebubini bonke abonile kimi ngabo, ngi ba tetelele amacala onke abo abonile kimi ngawo.

9 Ku ya kuba kimi igama lokutokoza,

isibongo nodumo pambi kwezizwe zonke zomhlaba, ezi ya kuzwa okuhle konke engi kwenzayo kubo, zesabe, zi tutumele ngokuhle konke, na ngenhlanhla yonke, engi wenzela yona.

10 U tyo uJehova, u ti, Ku lendawo eni ti ngayo, I citekile, ku nge ko abantu nezilwane, emizini ya seJuda na sezitalatini za seJerusalema, e citekile, i nge nabantu i nge nabakileyo i nge nezilwane ku ya kuzwakala,

11 Izwi lokutokoza nezwi lokujabula, izwi lomyeni nezwi lomakoti, izwi labo aba ti, Bongani uJehova wamabandhla, ngokuba uJehova u lungile, ngokuba umusa wake u pakade, aba leta iminikelo yokubonga endhlini ka Jehova. Ngokuba ngi ya kubuyisa izitunjwa zezwe njenga sekuqaleni, u tyo uJehova.

12 U tyo uJehova wemikosi, u ti, Ku ya kubuya ku be kona ku lendawo ecitekileyo, i nge nabantu nezilwane, na semizini yonke yayo, idhlelo labalusi, ba lalise imihlambi yabo.

13 Emizini ya sentabeni, na semizini ya sesihlanjeni, na semizini ya seningizimu, na sezweni lika Benjamini, na semapandhlani a seJerusalema, na semizini ya seJuda, imihlambi i ya kubuya i dhlule pansi kwezandhla zake o i balayo, u tyo uJehova.

14 Bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kuqinisa ngazo izwi elilungileyo engi li tyilo yoku ngendhlu ka Israeli, na ngendhlu ka Juda.

15 Ngalezozinsuku na ngalesosikati ngi ya kumhlumisela uDavida ihlumela lokulunga, u ya kwenza okufaneleyo nokulungileyo ezweni.

16 Ngalezozinsuku uJuda u ya kusindiswa, neJerusalema li ya kuhlala kahle; li ya kubizwa ngokuti, UJEHOVA UKULUNGA KWETU.

17 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, uDavida a ka yi kuswela umuntu wokuhlala esihlalweni sendhlu ka Israeli;

18 Nabapristi, abaLevi, a ba yi kuswela umuntu pambi kwami wokunikela iminikelo yokutyiswa nokutyisa iminikelo yenyama, nokunikela imihlatyelo njalonzalo.

19 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, la ti,

20 U tyo uJehova, u ti, Uma napula isivumelwano sami semini nesivumelwano sami sobusuku, ku ze ku nga bi ko imini nobusuku ngesikati sako,

21 Kona ku ngapulwa isivumelwano sami noDavida, inceku yami, ukuba a nga bi nandodana yokubusa esihlalweni sake, kanye nabaLevi, abapristi aba ngi konzayo.

22 Njengaloku umkosi wa sezulwini u nge balwe, nesihlabati solwandhle si nge linganiswe, kanjalo ngi ya kwandisa inzalo ka Davida, inceku yami, naba-Levi aba ngi konzayo.

23 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, la ti,

24 A u qondanga ini aba ku tyiloyo lababantu, ukuti, Lezozindhlu ezimbili a be zi ketile uJehova, u zi lahlile? ku njalo ba delele abantu bami, ba ze ba nga bi isizwe pambi kwabo.

25 U tyo uJehova u ti, Uma si nga bi ko isivumelwano sami nemini nobusuku, uma ngi nga dabulanga izimiso zezulu nomhlaba;

26 Kona ngi ya kulahla inzalo ka Jakobe, noDavida inceku yami, ngi nga tabati kuyo inzalo yake ababusi benzalo ka Abrahama, noIsaka, noJakobe; ngokuba ngi ya kubuyisa izitunjwa za kubo, ngi ba haukele.

ISAHLUKO 34.

**I**ZWI ela fika kuJeremia li vela ku-Jehova, msukwana uNebukadnezari inkosi ya seBabulona, nempI yonke yayo, nemibusonke yomhlaba e buswa uye, nabantu bonke be lwa neJerusalem, nemizi yonke yalo, la ti,

2 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Hamba u kulume kuZedekia inkosi ya seJuda, u ti kuye, U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela lomuzi esandhlani senkosi ya seBabulona, u ya kutuyisa ngomlilo;

3 Wena a u yi kusinda esandhlani sake, kepa u ya kubanjwa impela, u nikelwe esandhlani sake; amehlo ako a ya kubheka amehlo enkosi ya seBabulona, i ya kukuluma nawe ni bhekana; u ya kuya eBabulona.

4 Kepa, yizwa izwi lika Jehova, Zedekia, inkosi ya seJuda. U tyo uJehova kuwe, u ti, A u yi kufa ngenkamba;

5 Kepa u ya kufa ku tulile; u ya kutyiselwa impepo njengokutyiselwa kwa oyihlo, amakosi okuqala a ngupambi kwako, u ya kulilelwa ku tiwa, Maye, nkosi! ngokuba ngi tyilo izwi, u tyo uJehova.

6 uJeremia unprofeti wa e se kuluma

lawamazwi onke kuZedekia, inkosi ya seJuda, eJerusalem,

7 Mhla impi yenkosi ya seBabulona i lwa neJerusalem, nemizi ya seJuda eseleyo, neLakishi, neAzeka; ngokuba lemizi evikelweyo ya i sa sele emizini ya seJuda.

8 Leli li izwi ela fika kuJeremia, li vela kuJehova, inkosi, uZedekia, se yenzile isivumelwano nabantu bonke aba seJerusalem, ukumemezela kubo ukukululeka,

9 Kwa tiwa, a ku be ilowo a kulule isigqili sake, isilisa nesifazana, ezi ngama-Heberu, ukuze ku nga bi ko muntu o zi sebenzisayo, ukuti, umJuda o sebenzisa umfo wabo.

10 Kwa ti, izikulu zonke, nabantu bonke aba be vumelene, se be zwile ku tiwa, a ku be ilowo a kulule isigqili sake, isilisa nesifazana, ku nga bi ko muntu o zi sebenzisayo, ba lalela, ba zi kulula.

11 Kepa ngasemva ba guquka, ba buyisa lezozigqili, isilisa nesifazana, aba be zi kululile, ba zenza izigqili, isilisa nesifazana.

12 Ngako izwi lika Jehova la fika kuJeremia li vela kuJehova, la ti,

13 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, Ngenza isivumelwano na oyihlo, mhla ngi ba kipa ezweni la seEgipite, endhlani yezibotywa, nga ti,

14 Ekupeleni kweminyaka e isikombisa a ko ba ilowo kini a kulule umfo wabo, o ngumHeberu, a m tengileyo; nxa e sebenzile iminyaka e isitupa kuwe wo m kulula. Kepa oyihlo a ba ngi lalanga, a ba bekanga indhlebe.

15 Kepa nina be ni pendukile namhla, nenza okufaneleyo emehlweni ami ngokumemezela ukukululeka, ku be ilowo kowakelene naye; nenza isivumelwano pambi kwami endhlani e bizwa ngegama lami;

16 Kepa na buya na guquka, na ngoelisa igama lami, na buyisa, kwa ba ilowo isigqili sake, isilisa nesifazana, a be zi kululile ngokutanda kwake, na zenza izigqili zenu, isilisa nesifazana.

17 Ngako u tyo uJehova, u ti, A ni ngi lalanga ngokumemezela ukukululeka, ku be ilowo kumfo wabo, na lowo kowakelene naye; bheka, ngi memezela ukukululeka kini, u tyo uJehova, ngi ni kululela kuyo inkamba, na kuso isifo, na kuyo indhlala, ngi ya kuninikela emibusweni yonke yomhlaba, ni hlupoke.

18 Ngi ya kubanikela abantu abeqile isivumelwano sami, aba nga geinanga amazwi esivumelwano aba be senzile pambi kwami, mhla be dabula itole kabili, ba dhlula pakati kwenzihlangoti zalo,

19 Izikulu za seJuda, nezikulu za seJerusalem, izinceku, nabapristi, nabantu bonke bezwe aba dhlula pakati kwezihlangoti zetole;

20 Ngi ya kubanikela esandhlени sezita zabo, na sesandhlени saba funa ukubabulala; izidumbu zabo zi ya kuba ukudhla kwezinyoni zezulu, nokwezilo zomhlaba.

21 uZedekia, inkosi ya seJuda, nezikulu zake, ngi ya kubanikela esandhlени sezita zabo, na sesandhlени saba funa ukubabulala, na sesandhlени sempi yenkosi ya seBabulona, abenyukeleyo kini.

22 Bheka, ngi ya kuyala, u tyo uJehova, ngi ba buyisele kulomuzi; ba ya kulwa nawo, ba u nqobe, ba u tyise ngomlilo; ngi ya kwenza imizi ya seJuda i citake, i ngakiwa muntu.

ISAHLUKO 35.

IZWI ela fika kuJeremia li vela kuJehova, ezinsukwini zika Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, la ti,

2 Suka u ye endhlени yabaRekabi, u kulume nabo, u ze nabo endhlени ka Jehova, kwelinye ikamelo layo, u ba puzise iwaini.

3 Nga se ngi tabata uJazania, indodana ka Jeremia, indodana ka Habazinia, nabafo wabo, namadodana onke ake, nendhlu yonke yabaRekabi;

4 Nga ba zisa endhlени ka Jehova, endhlени yamadodana ka Hanani, indodana ka Igdalia, umuntu ka Tixo, e ngasendhlени yezikulu, e ngapezu kwendhlu ka Maseia indodana ka Shalumi, umlindi womnyango.

5 Nga beka pambi kwamadodana endhlu yabaRekabi amagaba e gewele iwaini, nezindebe, nga ti kubo, Puzani iwaini.

6 Kepa ba ti, A si yi kupuza iwaini; ngokuba uJonadabi, indodana ka Rekabi ubaba wetu, wa si yala, wa ti, Ni nga puzi iwaini, nina nabantwana benu ku ze ku be pakade;

7 Ni ngaki izindhlu, ni nga hlwanyeli imbeu, ni nga tyali ivini, ni nga bi nako; kepa ni ya kuhlala ematenteni izinsuku zonke zenu, ukuba ni hlale izi-

nsuku eziningi ezweni eni ngabezizwe kulo.

8 Si m lalele uJonadabi, indodana ka Rekabi, ubaba wetu, ngako konke a si yala ngako, ukuba si nga puzi iwaini izinsuku zonke zetu, tina, nomketu, namadodana etu, namadodakazi etu,

9 Si nga zaki izindhlu ukuba si hlale kuzo; a si nasivini, nazwe, nambu;

10 Kepa si hlezi ematenteni, si m lalele, senza konke a si yala kona uJonadabi ubaba wetu.

11 Kwa ti, uNebukadnezari, inkosi ya seBabulona, se e kupukile ezweni, wa ti, Yizani si ye eJerusalem ngenxa yempi yamaKaldea na ngenxa yempi yamaSiria; kunjalo si sa hlezi eJerusalem.

12 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, la ti, U tyo uJehova, wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti,

13 Hamba, u tyo kubantu ba seJuda, na kwabakileyo eJerusalem, u ti, A ni yi kululekwa ini ukulalela amazwi ami? u tyo uJehova.

14 Amazwi ka Jonadabi, indodana ka Rekabi, a wa yalayo amadodana ake, okuti a nga puzi iwaini, a geinwa; ngokuba ka li puzanga ku ze ku be namhla, kepa a lalela umyalo ka yise; ngi kulumile kini, nga qinisa nga kuluma, kepa a ni ngi lalelanga.

15 Ngi tumile kini izinceku zami zonke, abaprofeti, nga qinisa nga ba tuma, nga ti, Pendukani nonke ekuhambeni kwake okubi, ni lungise imisebenzi yenu, ni nga landeli abanye otixo, ukuba ni ba konze, kona ni ya kuhlala ezweni, engi ni nikile lona, nina noyihlo benu, kepa a ni bekanga indhlebe yenu, a ni ngi lalelanga.

16 Ngokuba amadodana ka Jonadabi, indodana ka Rekabi, a geinile umyalo ka yise, a wa yala wona; kepa lababantu a ba ngi lalelanga;

17 Ngako u tyo uJehova uTixo wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya kwehlisela eJuda, na kubantu bonke ba seJerusalem okubi konke engi ku tyiloyo kubo; ngokuba ngi kulumile kubo, kepa a ba ngi lalelanga; ngi ba memezile, kepa a ba sabelanga.

18 uJeremia wa ti kuyo indhlu yabaRekabi, U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Ngokuba ni lalele umteto ka Jonadabi uyihlo, ni geinile imiyalo yonke yake, nenza konke a ni yala kona,

19 Ngako u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, uJonadabi indodana ka Rekabi, a ka yi kuswela umuntu nawa wokuma pambi kwami ku ze ku be pakade.

ISAHLUKO 36.

**K**WA ti ngomnyaka wesine ka Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, kwa fika lelizwi kuJeremia li vela kuJehova, la ti,

2 Tabata ipapa lenewadi, u lobe kulo amazwi onke engi wa tyiloyo kuwe ngoIsraeli, na ngoJuda, na ngezizwe zonke, iloku nga qala ukukuluma kuwe, kwa sezinsukwini zika Josia, ku ze ku be namhla.

3 Mhlaumbe abakaJuda ba ya kuzwa okubi konke engi ti ngi ya kukwenza kubo, ba ze ba buye bonke endhleleni embi yabo, ngi ba tetelele amacala abo nezono zabo.

4 Kona uJeremia wa biza uBaruki indodana ka Neria; uBaruki wa loba, e tata emlonyeni ka Jeremia, amazwi onke ka Jehova, a wa kulumile kuye, epepeni lenewadi.

5 uJeremia wa yala uBaruki, wa ti, Mina ngi banjiwe, a ngi nakuya endhlini ka Jehova.

6 Ngako hamba wena, u funde ku lenewadi o i lobileyo, u tata emlonyeni wami, amazwi ka Jehova, u wa funde ezindhleleni zabantu endhlini ka Jehova ngosuku lokuzila ukudhla; u wa funde nasezindhleleni zabo bonke abakwaJuda, aba vela emizini yakubo.

7 Mhlaumbe ukukuleka kwabo ku ya kuziwa uJehova, ba buye bonke endhleleni embi yabo; ngokuba kukulu ukutukutela nolaka a ku tyiloyo uJehova ngalabantu.

8 uBaruki indodana ka Neria wenza konke a m yala kona uJeremia umprofeti, ngokufunda amazwi ka Jehova endhlini ka Jehova.

9 Kwa ti ngomnyaka wesihlanu ka Jehoakimu, indodana ka Josia, inkosi ya seJuda, ngenyanga yesishiyagalolunye, kwa menyezela ukuzila ukudhla pambi kuka Jehova kubantu bonke ba seJerusalem, na kubantu bonke aba vela emizini ya seJuda, beze eJerusalem.

10 Kona uBaruki wa funda enewadini amazwi ka Jeremia endhlini ka Jehova, endhlini ka Gemaria, indodana ka Shafani umbali, ebaleni ngasenhla, ngase-

sangweni elitya lendhlu ka Jehova, wa funda ezindhleleni zabantu bonke.

11 uMikaia indodana ka Gemaria, indodana ka Shafani, se e zwile amazwi onke ka Jehova ku lenewadi,

12 Wehla wa ya endhlini yenkosi, endhlini yombali; bhaka, izikulu zonke za zi hlezi kona; uElishama, umbali, noDelaia indodana ka Shemaia, noElnatani indodana ka Akbori, noGemaria indodana ka Shafani, noZedekia indodana ka Hanania, nezikulu zonke.

13 Kona uMikaia wa ba tyela amazwi onke a be wezwile lapo uBaruki wa funda inewadi ezindhleleni zabantu.

14 Ngako izikulu zonke za tuma uJehudi indodana ka Netania, indodana ka Shelemia, indodana ka Kushi, ukuya kuBaruki, za ti, Pata inewadi o i fundileyo ezindhleleni zabantu, u ze nayo. uBaruki indodana ka Neria wa pata inewadi, weza kubo.

15 Ba ti kuye, Hlala, u i funde ezindhleleni zetu. Njalo uBaruki wa i funda ezindhleleni zabo.

16 Kwa ti, se be zwile amazwi onke, besaba bonke, ba ti kuBaruki, Impela si ya kutyela inkosi lawamazwi onke.

17 Ba m buza uBaruki, ba ti, Si tyele, Wa loba kanjani lawamazwi onke u tata emlonyeni wake na?

18 uBaruki wa ti kubo, Wa tyo kimi lawamazwi onke ngomlomo wake, nga wa loba enewadini ngeinke.

19 Izikulu za ti kuBaruki, Suka u eanye, wena noJeremia; ku ngaziwa muntu lapa ni kona.

20 Ba se be ngena enkosini, ebaleni, kepa ba beka inewadi endhlini ka Elishama umbali, ba landisa amazwi onke ezindhleleni zenkosi.

21 Inkosi ya tuma uJehudi ukuba a ye a tabate inewadi; wa i tabata endhlini ka Elishama umbali. uJehudi wa i funda ezindhleleni zenkosi, na sezindhleleni zezikulu zonke eza zi kona enkosini.

22 Inkosi ya i hlezi endhlini yobusika, ngenyanga yesishiyagalolunye, u kona pambi kwayo umlilo o vutayo eziko.

23 Kwa ti, uJehudi se e fundile amapapa amatatu noma amane, wa i sika ngomese wombali, wa i ponsa emlilweni o seziko, ya za ya pela inewadi yonke emlilweni o seziko.

24 Kepa a ba ze besaba, a ba dabula izingubo zabo, nankosi nanye ezineekwini zayo e be zi zwile lawamazwe onke.

25 Noma uElnatani, noDelaia, noGemia ba be nxusile inkosi ukuba i nga tyisi inewadi, a i ba lalalanga.

26 Kepa inkosi ya yala uJerameli indodana yenkosi, noSeraia indodana ka Azrieli, noShelemaia indodana ka Abdeli, ukuba ba tabate uBaruki umbali noJeremia umprofeti; kodwa uJehova wa ba fihla.

27 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, inkosi se i tyisile inewadi, namazwi a wa lobayo uBaruki e tata emlonyeni ka Jeremia, la ti,

28 Buya u tabate enye inewadi, u lobe kuyo amazwi onke okuqala, a e kona enewadini yokuqala, a i tyisileyo uJehoakimu inkosi ya seJuda;

29 U tyo kuJehoakimu inkosi ya seJuda, u ti, U tyo uJehova, u ti, U tyisile lenewadi, u ti, U lobeleni kuyo u ti, Impela inkosi ya seBabulona i ya kufika, i cite lelizwe, i qede kulo abantu nezilwane.

30 Ngako u tyo uJehova ngoJehoakimu inkosi ya seJuda, u ti, A ka yi kuba namntwana wokuhlala esihlalweni sika Davida; isidumbu sake si ya kulahllelwa ngapandhle si tye emini, si godole ebusuku.

31 Ngi ya kumtyaya yena, nenzalo yake, nezinceku zake, ngezono zabo; ngi ya kwehlisela pezu kwabo, na pezu kwabakileyo eJerusalema, na pezu kwabantu ba seJuda, okubi konke engi ku tyiloyo ngabo; kepa a ba lalalanga.

32 uJeremia wa e se tabata enye inewadi, wa i nika uBaruki umbali, indodana ka Neria, owa loba kuyo, e tata emlonyeni ka Jeremia, amazwi onke enewadi uJehoakimu inkosi ya seJuda a be i tyisile ngomlilo; kwenezelelwa kuwo amanye amazwi amaningi a njengawo.

### ISAHLUKO 37.

**UZEDEKIA** indodana ka Josia wa ba inkosi esikundhlени sika Konia indodana ka Jehoakimu, a m enzayo inkosi ezweni la seJuda uNebukadrezari inkosi ya seBabulona.

2 Kepa yena, nezinceku zake, nabantu bezwe, a ba lalalanga amazwi ka Jehova, a wa kulumayo ngoJeremia umprofeti.

3 uZedekia inkosi wa tuma Jehukali indodana ka Shelema, noZefania indodana ka Maseia umpristi, ukuya kuJeremia umprofeti, e ti, Si kulekele kuJehova uTixo wetu.

4 uJeremia wa e ngena e puma ebantwini; ngokuba wa e nga ka fakwa etilongweni.

5 Kwa fika impi ka Faro, i vela Egipte, a ti amaKaldea, a vimbezela iJerusalema, se e zwile ngayo, a buya e muka eJerusalema.

6 Izwi lika Jehova la buya la fika kuJeremia, la ti,

7 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, u ti, A no tyo kuyo inkosi ya seJuda, e ni tumileyo ukuza kimi ukungibuza, ni ti, Bheka, impi ka Faro e pumele ukunizisa, i sa buyela Egipte, ezweni.

8 A ya kubuya, amaKaldea eze alwe na lomuzi, a u nqobe, a u tyise ngomlilo.

9 U tyo uJehova, u ti, Ni nga zikhohli ngokuti, amaKaldea a ya kumuka kitina impela, ngokuba a ka yi kumuka.

10 Ngokuba noma be ni tyayile impi yonke yamaKaldea e lwa nani, kwa za kwa sala kubo abantu abalimeleyo bodwa, ba be ya kusuka, ku be ilowo etenteni lake, ba tyise lomuzi ngomlilo.

11 Kwa ti, impi yamaKaldea se i mukile eJerusalema ngenxa yempi ka Faro,

12 uJeremia wa puma eJerusalema ukuya ezweni la kwaBenjamini, ukuba amkele kona isabelo sake pakati kwabantu.

13 Kwa ti, e se sangweni lika Benjamini, kwa ku kona induna yokulinda, igama layo la li nguIrija, indodana ka Shelema, indodana ka Hanania; ya bamba uJeremia umprofeti, ya ti, U ya hlubukela kuwo amaKaldea.

14 uJeremia wa ti, Amanga; a ngi hlubukeli kuwo amaKaldea. Kepa a i m lalalanga. Kwa njalo uIrija wa bamba uJeremia, wa m yisa ezikulwini.

15 Izikulu za m tukotelela uJeremia, za m tyaya, za m faka etilongweni, endhlini ka Jonatani, ngokuba za zi yenzile i be itilongo.

16 uJeremia e se ngenile endhlini emnyama, emgodini, uJeremia e se kona izinsuku eziningi;

17 uZedekia inkosi wa tuma wa m tabata; inkosi ya m buza ngasese endhlini yayo, ya ti, Li kona ini izwi eli vela kuJehova? uJeremia wa ti, Li kona; u ti, u ya kunikelwa esandhlени senkosi ya seBabulona.

18 uJeremia wa ti kuZedekia inkosi, Ngonile ngantoni kuwe, na sezincekwi ni zako, na kubantu bako, ukuba u ngi fake etilongweni?

19 Bapi abaprofeti benu aba profeta kini, ba ti, Inkosi ya seBabulona a i yi kuza kini, na kulelizwe?

20 Ngabo lalélake, nkosi yami, nkosi, yizwake ukunxusa kwami, ukuba u nga ngi buyiseli endhlini ka Jonatani umbali, funa ngi fe kona.

21 uZedekia inkosi wa e se yala ukuba ba m beke uJeremia ebaleni letilongo, ba m nike imihla ngemihla ucezu lwe-sinkwa sa sesitalateni sabapeki, ku ze ku pele isinkwa emzini kwa njalo uJeremia wa hlala ebaleni letilongo.

ISAHLUKO 38.

**K**WA ti uShefatia indodana ka Mata-ni, noGedalia indodana ka Pashuri, noJukali indodana ka Shelemia, noPashuri indodana ka Malkia, bezwa amazwi a be wa tyilo uJeremia kubantu bonke, e ti.

2 U tyo uJehova, u ti, O seleyo kulomuzi u ya kufa ngenkamba, na nge-n-dhlala, na ngesifo; kepa o pumela ku-wo amaKaldea u ya kupila; ukupila kwake ku ya kuba impango yake; u ya kupila.

3 U tyo uJehova, u ti, Impela lomuzi wo nikelwa esandhleni sempu yenkosi ya seBabulona, e ya kuunqoba.

4 Ngako izikulu za ti enkosini, A ka bulawe lomuntu, ngokuba ngokwenza njalo u ya nqenisa izandhla zabantu bokulwa abaseleyo ku lomuzi, nezandhla zabantu bonke, ngokukuluma kubo amazwi a nje; ngokuba lomuntu ka ba funeli lababantu ukutula, u ba funela okubi.

5 uZedekia inkosi wa ti, Bheka, u sandhleni senu, ngokuba inkosi i nge pumbene nani ngaluto.

6 Ba se be m tabata uJeremia, ba m ponsa endhlini emnyama emgodini ka Malkia indodana yenkosi, o sebaleni letilongo; ba m ehliisa uJeremia ngezintambo. Kwa ku nge ko amanzi emgodini udaka lodwa; kwa njalo uJeremia wa tyona odakeni.

7 Kwa ti, uEbedmeleki umKushi, induna e sendhlini yenkosi, se e zwile ukuti, ba m fakile uJeremia emgodini, inkosi i sa hlezi esangweni lika Benjamin;

8 uEbedmeleki wa puma endhlini yenkosi, wa kuluma enkosini, wa ti,

9 Nkosi yami, nkosi, lababantu benzile kabi ngako konke aba kwenzileyo kuJeremia umprofeti, aba m ponsile emgo-

dini; u za kufa kona lapo ngokulamba; ngokuba a ku se ko ukudhla emzini.

10 Inkosi ya se i m yala uEbedmeleki umKushi, ya ti, Tabata lapa abantu abamashumi amatatu, u hambe nabo, u m kipe uJeremia umprofeti emgodini, e nga ka fi.

11 Kona uEbedmeleki wa tabata abantu, wa hamba nabo, wa ya endhlini yenkosi pansi kwendhlu yemfuyo, wa tabata kona izepce neziziba zezingubo ezigugileyo, wa zehlisele ngezintambo kuJeremia emgodini.

12 uEbedmeleki umkushi wa ti kuJeremia, Beka lezizecpu na leziziba zezingubo ezigugileyo emakwapeni ako pansi kwezintambo. Wenza njalo uJeremia.

13 Ba m donsisa uJeremia ngezintambo, ba m kipa emgodini; uJeremia wa hlala ebaleni letilongo.

14 Kona uZedekia inkosi wa tuma, wa m tabata uJeremia umprofeti wa m zisa kuye esangweni lesitatu eli ngasendhlini kaJehova; inkosi ya ti kuJeremia, Ngi za kubuza into kuwe, u nga ngi fihleli uto.

15 uJeremia wa ti kuZedekia, Uma ngi ku tyela yona, nembala a u yi kungibulala na? uma ngi ku luleka a u yi kungilalela na?

16 Kona uZedekia wa funga kuJeremia ngase, wa ti, U kona uJehova owa senzela lompefumtu, a ngi yi kukubulala, a ngi yi kukunikela esandhleni salababantu abafuna ukupila kwako.

17 uJeremia wa ti kuZedekia, U tyo uJehova, uTixo wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Uma u ya impela ezikulwini zenkosi ya seBabulona, u ya kupila, na lomuzi a u yi kutyiswa ngomlilo, u ya kupila, wena nendhlu yako;

18 Kepa uma u nga yi ezikulwini zenkosi ya seBabulona, lomuzi u ya kunikelwa esandhleni samaKaldea, a u tyise ngomlilo, nawe u nga siudi esandhleni sawo.

19 uZedekia inkosi wa ti kuJeremia, Ngi yesaba abaJuda abahlubukileyo kuwo amaKaldea, funa ngi nikelwe esandhleni sabo, ba ngeise.

20 Kepa uJeremia wa ti, A ku yi kunikelwa. A u lalele izwi lika Jehova, engi li tyoyo kuwe; ko ba kuhle kuwe, u pile.

21 Kepa uma wala ukupuma lapa, leli li izwi a ngi bonisile lona lokuti,

22 Bheka, abafazi bonke aba seleyo



endhlini yenkosi ya seJuda ba ya kukityelwa ezikulwini zenkosi ya seBabulona, ba ya kuti, Aba izihlobo bako ba ku ungile, ba kwahlula; izinyawo zako zi tyonile odakeni, ba ku fulatele.

23 Nabafazi bako bonke, nabantwana bako ba ya kukityelwa kuwo amaKaldea; nawe u nga siudi esandhlени sawo, kepa u ya kubanjwa ngesandhla senkosi ya seBabulona; u ya kutyisa lomuzi ngomlilo.

24 uZedekia wa se e ti kuJeremia, A ku ngaziwa muntu lawamazwi, ukuba u nga fi.

25 Kepa uma izikulu zi zwa ukuti, ngi kulumile nawe, zi ze kuwe, zi ti kuwe, Si tyele o ku tyiloyo enkosini, u nga si fihleli uto, ukuba si nga ku bulali, si tyele na loko e ku tyiloyo kuwe inkosi;

26 Wo tyo kuzo, u ti, Nga kuleka eukosini ukuba i nga ngi buyiseli endhlini ka Jonatani, funa ngi fe kona.

27 Kwa fika kuJeremia izikulu zonke, za m buza; wa zi tyela lawamazwi onke inkosi e bi m yalile wona. Za se zi yeka ukukuluma naye, ngokuba a ku bonakalanga indaba.

28 uJeremia wa hlala ebaleni letilongo kwa za kwa fika usuku ela nqotywa ngalo iJerusalema; wa e kona mhla iJerusalema li nqotywayo.

ISAHLUKO 39.

**N**NGOMNYAKA wesishiyagalolunye ka Zedekia inkosi ya seJuda, ngenyanga yeshumi, kwa fika uNebukadnezari inkosi ya seBabulona nempi yonke yake, ba li vimbezela.

2 Ngomnyaka weshumi nanye ka Zedekia, ngenyanga yesine, ngosuku lwe-sishiyagalolunye lwenyanga, umuzi wa fohlwa.

3 Izikulu zonke zenkosi ya seBabulona za ngena, za hlala esangweni eli ngapakati, uNergalsharezeri, noSamgarnebo, noSarsekimi induna yezinceku, noNergalsharezeri, induna yezazi, nezinye izikulu zonke zenkosi ya seBabulona.

4 Kwa ti, uZedekia inkosi ya seJuda se e zibonile, nabo bonke abantu bempi, ba baleka ba puma emzini ebusuku ngen-dhlela yensimu yenkosi, ngesango eli ngapakati kwezindonga zombili; wa puma wa ya ngendhlela yesihlambo.

5 Kepa impi yamaKaldea ya ba xoty-a, ya fumana uZedekia ezihlanjeni za se-Jeriko, ya m bamba, ya m yisa kuNebu-

kadnezari inkosi ya seBabulona, eRibla, ezweni la seHamati, wa teta icala lake.

6 Inkosi ya seBabulona ya bulala amadodana ka Zedekia eRibla pambi kwamehlo ake; inkosi ya seBabulona ya bulala nezikulu zonke za kwaJuda.

7 Ya kipa amehlo ka Zedekia, ya m bopa ngamaketango etusi, ukuba a yi-swe eBabulona.

8 AmaKaldea a tyisa indhlu yenkosi nezindhlu zabantu ngomlilo, a bidhliza izindonga zeJerusalema.

9 uNebuzaradani induna yamapolisa wa tumba insalo yabantu abaseleyo emizini, nabahlubukileyo aba be hlubukele kuye, kanye nensalo yabantu abaseleyo.

10 Kepa uNebuzaradani induna yamapolisa wa shiya abantu abampofu, aba nge naluto, ezweni la kwaJuda, wa ba pa izivini namasimu ngalesosikati.

11 uNebukadnezari inkosi ya seBabulona wa m yala uNebuzaradani induna yamapolisa ngoJeremia, wa ti,

12 M tabate, u beke amehlo ako pezu kwake, u nga menzi luto; kepa yenza kuye njengokutyo kwake kuwe.

13 Kona uNebuzaradani induna yamapolisa wa tuma, kanye noNebushasbani induna yezinceku, noNergalsharezeri induna yezazi, nezikulu zonke zenkosi ya seBabulona,

14 Ba tuma, ba m kipa uJeremia ebaleni letilongo, ba m nikela kuGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani, ukuba a m yise ekaya; wa e se hlala ebantwini.

15 Kwa fika izwi lika Jehova kuJeremia, e sa vaelwe ebaleni letilongo, la ti,

16 Hamba, u ye u tyo kuEbedmeleki umKushi, u ti, U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kwelhlisela amazwi ami kulomuzi, ku be kubi, ku nga bi kuhle; a ya kuqiniseka pambi kwako ngalolosuku.

17 Kepa ngi ya kukusindisa wena ngalolosuku; u tyo uJehova; a u yi kunikelwa esandhlени sabantu o besa-bayo.

18 Ngokuba ngi ya kukusindisa impe-la, u nga bulawa ngenkamba, kepa ukupila kwako ko ba impango yako; ngokuba u ngetembile; u tyo uJehova.

ISAHLUKO 40.

**I**ZWI ela fika kuJeremia li vela ku-Jehova, uNebuzaradani induna yamapolisa se e m kululile eRama, loku

wa e m tabatile e botyiwe ngamaketa-ngo pakati kwabo bonke abatunjiweyo ba seJerusalema nabakwaJuda, be tunjelwa eBabulona.

2 Induna yamapolisa ya m tabata eJeremia, ya ti kuye, uJehova uTixo wako u tyilo lobububi ngalendawo.

3 uJehova u behlilisa, wenza njengokutyo kwake; ngokuba nonile kuJehova, ni nga lalalanga izwi lake, ngako nehlelwe iloku.

4 Bhakake, ngi sa ku kulula namhla kuwo amaketango a sezandhleni zako. Uma ku kuhle kuwe ukuya nami eBabulona, yiza; ngi ya kubeka amehlo ami pezu kwako; kepa uma ku kubi kuwe ukuya nami eBabulona, yeka; bhaka, izwe lonke li pambi kwako, indawo elungileyo nefaneleyo emehlweni ako ukuba u ye kuyo, yiya kona.

5 Kepa e nga ka buyi, ya ti, Buya u ye kuGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani, e m bekileyo inkosi ya seBabulona, a be umbusi wemizi yakwaJuda, u hlale naye pakati kwabantu, noma u ye kwenye indawo e faneleyo ngokubona kwako. Induna yamapolisa ya m nika ukudhla, nesipo, ya m kulula.

6 uJeremia wa e se ya kuGedalia indodana ka Ahikamu eMizpa; wa hlala naye pakati kwabantu abaseleyo ezweni.

7 Kwa ti izinduna zonke ezi sendhle, zona nabantu bazo, se zi zwile ukuti inkosi ya seBabulona i m enzile uGedalia indodana ka Ahikamu umbusi wezwe, nokuti i nikele kuye amadoda, nabafazi, nabantwana, nabampofu bezwe ku labo aba nga tunjelwanga eBabulona.

8 Zeza kuGedalia eMizpa, uIshmaeli indodana ka Netania, noJohanani noJonatani amadodana ka Karea, noSeraia indodana ka Taphumeti, namadodana ka Efai umNetofu, noJezania indodana yomMaaka, labo nabantu babo.

9 uGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani wa funga kubo na kubantu babo, wa ti, ni ngesabi ukukonza amaKaldea: hlalani ezweni, ni konze inkosi ya seBabulona, kona ku ya kuba kuhle kini.

10 Mina, bhaka, ngi ya kuhlala eMizpa, ukuba ngi me pambi kwamaKaldea a ya kuzi kiti, kepa nina, butani iwaini, nezitelo zemiti, namafuta, ni ku beke ezityeni, ni hlale emizini, eni i ketileyo.

11 Kaujalo abaJuda bonke aba be se-

Moabi, na pakati kwabaka Amoni, na seEdomi, naba be semazweni onke, se be zwile ukuti, inkosi ya seBabulona i shiyile insalo yabaJuda, nokuti i m bekile pezu kwabo uGedalia indodana indodana ka Shafani;

12 AbaJuda bonke ba buya ezindaweni zonke aba be xotyelwe kuzo, beza ezweni la kwaJuda, kuGedalia, eMizpa, ba buta iwaini nezitelo zemiti kakulu.

13 uJohanani indodana ka Karea, nezinduna zonke zempi ezi sendhle, beza kuGedalia eMizpa,

14 Ba ti kuye, Impela u yazi ukuti, uBaalisi inkosi yabaka Amoni u tumile uIshmaeli indodana ka Netania ukuba a ku bulale? Kepa uGedalia indodana ka Ahikamu ka kolwanga ibo.

15 Kona uJohanani indodana ka Karea wa kuluma ngase noGedalia eMizpa, wa ti, Ma ngi hambe ugi ye ngi m bulale uIshmaeli indodana ka Netania, ku ngaziwa muntu; u za kukubulalalani wena, ukuba abaJuda bonke aba butene kuwe ba hlakazeke, nesalo ya kwaJuda i epele?

16 Kepa uGedalia indodana ka Ahikamu wa ti kuJohanani indodana ka Karea, U ngenzi loku, ngokuba u tyo amanga ngoIshmaeli.

#### ISAHLUKO 41.

**K**WA ti ngenyanga yesikombisa, uIshmaeli indodana ka Netania indodana ka Elishama, owenzalo yenkosi, nezikulu zenkosi, abantu aba ishumi kanye naye, beza kuGedalia indodana ka Ahikamu eMizpa; ba dhla kona ukudhla ndawonye naye eMizpa.

2 Wa se esuka uIshmaeli indodana ka Netania, nabantu aba ishumi a e nabo, ba m gwaza uGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani ngenkamba, ba m bulala, yena inkosi ya seBabulona e bi m enzile umbusi wezwe.

3 uIshmaeli wa bulala nabaJuda aba be naye uGedalia eMizpa, namaKaldea a e funyanwa kona, amabuto.

4 Kwa ti ngosuku lwesibili emva kokumbulala kwake uGedalia, ku ngaziwa muntu,

5 Kwa fika abantu be vela eShekemu, na seShilo, na seSamaria, abantu abamashumi ashiyagalombili, izilevu zabo zi pucive, nezingombi zabo zi dabukile, be zisikile, be pete iminikelo nempepo, ukuba ba i yise endhlini ka Jehova.

6 uIshmaeli indodana ka Netania wa

puma eMizpa ukuya kubahlangabeza, e hamba e kala. Kwa ti, e sa hlangana nabo, wa ti kubo, Wozani kuGedalia indodana ka Ahikamu.

7 Kwa ti, se be ngenile pakati komuzi, uIshmaeli indodana ka Netania wa ba bulala, wa ba ponsa emgodini, yena nabantu aba be naye.

8 Kepa kwa funyanwa kubo abantu aba ishumi aba ti kuIshmaeli, U nga si bulali, ngokuba si nemfuyo endhle yokolweni nebarle namafuta nezinyosi. Wa ba yeka e nga ba bulalanga kanye nabafo wabo.

9 Umgodi, uIshmaeli a ponsa kuwo izidumbu zonke zabantu a e ba bulele ngesandhla sika Gedalia, wa u iwo a e wenzile uAsa inkosi ngenxa ka Basha inkosi ya kwaIsraeli; uIshmaeli indodana ka Netania wa u gewalisa ngababuleweyo.

10 uIshmaeli wa tumba insalo yonke yabantu aba seMizpa, amantombazana enkosi, nabantu bonke abaseleyo eMizpa, uNebuzaradani induna yamapolisa a e ba nikele kuGedalia indodana ka Ahikamu; uIshmaeli indodana ka Netania wa ba tumba, wemukela nabo kwabaka Amoni.

11 Kepa uJohanani indodana ka Kareya, nezinduna zonke zempi eza zi naye, se be zwile okubi konke uIshmaeli indodana ka Netania a e kwenzile,

12 Ba tabata abantu bonke, ba ya ukulwa noIshmaeli indodana ka Netania, ba m fumana ngasemanzini amakulu a seGibeoni.

13 Kwa ti abantu bonke aba be no-Ishmaeli, se be bonile uJohanani indodana ka Kareya, nezinduna zonke zempi eza zi naye, ba jabula.

14 Ba penduka abantu bonke a e ba tumble eMizpa uIshmaeli, ba buya ba ya kuJohanani indodana ka Kareya.

15 Kepa uIshmaeli indodana ka Netania wa sinda kuJohanani yena nabantu abashiyagalombili, ba ya kwabaka Amoni.

16 Kona uJohanani indodana ka Kareya, nezinduna zonke zempi eza zi naye; ba tabata insalo yonke yabantu, a e ba buyisile kuIshmaeli indodana ka Netania, eMizpa, e se m bulele uGedalia indodana ka Ahikamu, amaqawe, amabuto, nabafazi, nabantwana, nezinceku, a e ba buyisile eGibeoni;

17 Bemuka ba hlala emzini ya seKimehamu, eli ngaseBetlehema, ukuya kungenza Egipte,

18 Ngenxa yamaKaldea, ngokuba ba wesaba, ngokuba uIshmaeli indodana ka Netania wa e m bulele uGedalia indodana ka Ahikamu, inkosi ya seBabulona e be m enzile umbusi wezwe.

ISAHLUKO 42.

**K**ONA izinduna zonke zempi, noJohanani indodana ka Kareya, noJezania indodana ka Hoshaiya, nabantu bonke, abaucinyane nabakulu, ba sondela,

2 Ba ti kuJeremia unprofeti, Ma ku zwiwe uwe ukukuleka kwetu, u si nxusele kuJehova uTixo wako, u nxusele lensalo yonke, (ngokuba si sele si ngaba incozana kwabani ngi njengaloku u si bona nganehlelo ako;)

3 Ukuba uJehova uTixo wako a si tyengise indhlela e nga si hamba ngayo, na loko e nga si kwenza.

4 uJeremia unprofeti wa ti kubo, Ngi zwile; ngi ya kukuleka kuJehova uTixo wenu njengokutyu kwenu; ko ti konke uJehova a ya kunipendula ngako ngi ya kunityela kona; a ngi yi kunihlela loko.

5 Ba ti kuJeremia, uJehova ka be ufakazi wesiminyana noqiusileyo pakati kwetu wokuti, si ya kwenza konke uJehova uTixo wako a ya kukutumela ngako kitina.

6 Noma ku kuhle, noma ku kubi, si ya kulalela izwi lika Jehova uTixo wetu, esi ku tumayo kuye; ukuba ku be kuhle kitina, ngokuba si lalela izwi lika Jehova uTixo wetu.

7 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi ishumi izwi lika Jehova la fika kuJeremia.

8 Wa biza uJohanani indodana ka Kareya nezinduna zonke zempi eza zi naye, nabantu bonke abancinyane nabakulu, wa ti kubo,

9 U tyo uJehova uTixo ka Israeli ena ngi tuma kuye ukuba ngi ni kulekele pambi kwake.

10 Uma ni hlala kulelizwe ngi ya kunaka, ngi nga ni bidhlizi; ngi ya kunityala, ngi nga ni sipuli; ngokuba ngi dabukile ngokubi engi kwenzileyo kini.

11 Ni ngesabi inkosi ya seBabulona eni yesabayo; ni nga yesabi, u tyo uJehova; ngokuba ngi nani ukunisindisa nokunikulula esandhlani sayo.

12 Ng i ya kunenzela ububele ukuba i ni haukele, i ni buyisele ezweni la kini.

13 Kepa uma ni ti, A si yi kuhlala ku-

lelizwe, a si yi kulalela izwi lika Jehova uTixo wako;

14 Ni ti, Qa, kodwa si ya kuya ezweni la sEgipite, ukuba si nga boni ukulwa, si ngezwa ukukala kwetilongo, si nga lambeli ukudhla; si ya kuhlala kona.

15 Ngakoke yizwani izwi lika Jehova, nina nsalo ya kwaJuda; U tyo uJehova wemikosi uTixo ka Israeli, Uma ni qonda impela ukuya Egipite, ni ye ukuhlala kona,

16 Ku za kuti inkemba, ena yesabayo, i ya kunifumanisa kona ezweni la sEgipite, indhlala, ena yesabayo, i ya kunilandela kona Egipite; ni ya kufa kona.

17 Ko ba njalo kubantu bonke aba qonda ukuya Egipite ukuba ba hlale kona; ba ya kufa ngenkemba, na ngehdlala, na ngesifo, ku nga bi ko oseleyo kubo, nosindileyo ebubini, engi ya kubehlisela pezu kwabo.

18 Ngokuba u tyo uJehova wemikosi uTixo ka Israeli, Njengaloku ukutukabela kwamini nolaka lwami kwa telwa pezu kwabantu ba seJerusalema, ulaka lwami lu ya kutelwa pezu kwenu, nxa ni ngena Egipite; ni ya kuba into yokutelwa ngenhlamba, neyokwesabeka, neyokwetukwa, neyokweiswa; a ni sa yi kubuya ni bone lendawo.

19 uJehova u tyilo kini, nina nsalo ya kwaJuda, wa ti, Ni nga yi Egipite; yazini impela ukuti ngi ni yalile namhla.

20 Na zikohlisa mhla ni ngi tuma ukuya kuJehova uTixo wenu, ni ti, Si kulekele kuJehova uTixo wetu; konke a ya kukutyo uJehova uTixo wetu si ku tyele, si ya kukwenza.

21 Se ngi ni tyelile namhla; kepa a ni lalalanga izwi lika Jehova uTixo wenu, na ngaluto a ngi tumela kini ngalo.

22 Ngakoke yazani impela ukuti ni ya kufa ngenkemba, na ngendhlala, na ngesifo, endaweni eni tanda ukuya kuhlala kuyo.

ISAHLUKO 43.

**K**WA ti, uJeremia se e qedile ukukuluma kubantu bonke amazwi onke ka Jehova uTixo wabo, a e m tumele kubo uJehova uTixo wabo ngawo, lawamazwi,

2 uAzaria indodana ka Hoshai, noJohanani indodana ka Kareya, nabantu bonke abazidhlayo ba kuluma ba ti kuJeremia, U kuluma amanga; uJehova

uTixo wetu ka ku tumanga ukuba u ze u ti, Ni nga yi Egipite ukuba ni hlale kona;

3 Kepa uBeruki indodana ka Neria u ku vusile ngati, ukuba si nikelwe ezandhveni zamaKaldeya, ukuba a si bulale, a si tumbele eBabulona.

4 Kwa njalo uJohanani indodana ka Kareya, nezinduna zonke zempi, nabantu bonke, a ba lalalanga izwi lika Jehova lokuba ba hlale ezweni la kwaJuda.

5 Kepa uJohanani indodana ka Kareya, nezinduna zonke zempi, ba tabata aba insalo yonke ya kwaJuda ababuyileyo ezizweni zonke, aba be xotyelwe kuzo, ukuba ba hlale ezweni la kwaJuda;

6 Amadoda, nabafazi, nabantwana, nanadodakazi enkosi, nabantu bonke uNebuzaradani induna yamapolisa a e ba shiyile noGedalia indodana ka Ahikamu indodana ka Shafani, noJeremia umprofeti, noBaruki indodana ka Neria.

7 Kwa njalo ba ya ezweni la sEgipite; ngokuba a ba lalalanga izwi lika Jehova; ba ya ba fika eTapanesi.

8 Izwi lika Jehova la fika kuJeremia eTapanesi, la ti,

9 Tabata amatye amakulu ngezandhla zako, u wa fihle odakeni endaweni yokubumba isitini, e ngasemnyango wendhlu ka Faro eTapanesi, pambi kwabantu bonke ba kwaJuda.

10 U ti kubo, U tyo uJehova wemikosi uTixo ka Israeli, Bheka, ngi ya kutuma, ngi m tabata uNebukadrezari inkosi ya seBabulona, inceku yami, ngi beke isihlalo sake pezu kwalawamatye engi wa fihlileyo; u ya kuwenbesa ngesivunulo sake.

11 U ya kufika a tyaye izwe la sEgipite, a nikelwe ekufeni aba za kufa, na sekutunjweni aba za kutunjwa, na senkenbeni aba miselwe inkemba.

12 Ng i ya kupemba umlilo ezindlini zotixo ba sEgipite; u ya kubatyisa, a ba tumbe; u ya kwambata izwe la sEgipite njengomalusi e mbata ingubo yake, a pume kahle kona.

13 U ya kufihloza izitonibe zeBetshe-meshi, eli sezweni la sEgipite; a tyise ngomlilo izindhlu zotixo ba sEgipite.

ISAHLUKO 44.

**I**ZWI ela fika kuJeremia, kubaJuda bonke aba be hlala ezweni la sEgipite, be hlala eMigdoli, naseTapanesi naseNofi, na sezweni la sePatrosi, li ti,

2 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka

Israeli, u ti, Ni bonile okubi konke engi kwehlisele iJerusalema na semizini yonke ya kwaJuda; bheka, i hlezi i citekile namhla; a ku ko muntu owakileyo kuyo;

3 Kwenziwa ngokona kwabo, aba kwenzileyo, ba ngi tukutelisa, ba tyisa impepo, ba konza abanye otixo aba nga baziyo, bona, nani, noyihlo benu.

4 Nga tuma kini izinceku zonke zani abaprofeti, nga qinisa nga ba tuma, nga ti, Au, ni ngenzi loku okunengekayo engi ku zondayo.

5 Kepa a ba lalanga, a ba bekanga iudhlebe yabo ukupenduka ekoneni kwabo, ukuba ba nga tyiseli abanye otixo impepo.

6 Ngako kwa tululwa ulaka lwami nokutukutela kwami, kwa vuta emizini ya kwaJuda na sezitalatini zeJerusalema, i hlezi i citekile i qediwe, njenga namhla nje.

7 Ngako ke u tyo uJehova, uTixo wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Nenzelani lokukona okukulu, ni yona imipefumlo yenu, ku nqunywe kini amadoda nabafazi nabantwana nabancelayo kwaJuda, ku ze ku nga sali muntu kini;

8 Ngokungitukutelisa ngemisebenzi yezandhla zenu, ngokubatyisela abanye otixo impepo ezweni la sEgipite, eni yile ukuhlala kulo, ukuba ni nqunywe, nokuba ni be abokutukwa nabokweiswa ezizweni zonke zomhlaba?

9 Ni kohliwe ini ukona koyihlo benu, nokona kwamakosi a kwaJuda, nokona kwabafazi bawo, nokona kwenu, nokona kwabafazi benu, aba kwenzileyo ezweni la kwaJuda na sezitalatini zeJerusalema?

10 A ba ka tobeki na namhla, a besabanga, a ba hambanga ngomteto wami na ngezimiso zami, enga zi beka pambi kwenu na pambi koyihlo benu,

11 Ngako u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya kubeka ubuso bami kini ku be kubi, ngi nqume aba kwaJuda bonke.

12 Ngi ya kutabata abaseleyo ba kwaJuda, aba beka ukuya Egipite ukuhlala kona; ba ya kuqedwa bonke; ba fe ezweni la sEgipite; ba ya kuqedwa ngenkamba na ngendhlala; ba ya kufa, abancinyane nabakulu, ngenkamba na ngendhlala; ba ya kuba abokutelwa ngendhlamba, nabokuciteka, nabokutukwa nabokweiswa.

13 Ngokuba ngi ya kubatyaya abakile-

yo ezweni la sEgipite, njengaloku ngi tyayile iJerusalema, ngenkamba, na ngendhlala na ngesifo;

14 A ku yi kubako abasindileyo nabaseleyo kwaba insalo ya kwaJuda, abayileyo ezweni la sEgipite ukuhlala kona, aba za kubuyela ezweni la kwaJuda, aba tanda ukubuya ba hlale kona, ngokuba a ku yi kubuya muntu, kupela abasindayo.

15 A pendula amadoda onke aziyo ukuti, abafazi bawo ba be tyisele abanye otixo impepo, nabafazi bonke aba bemi kona emhlangauweni omkulu, abantu bonke abakileyo ezweni la sEgipite, ePatrosi, ba pendula uJeremia, ba ti,

16 A si yi kukulalela ngalelizwi o li tyiloyo kitina ngegama lika Jehova.

17 Kepa si ya kwenza impela konke okupumileyo emlouyeni wetu, si tyisele inkosikazi yezulu impepo, si i telele iminikelo yokupuza, njengaloku senzile, tina, nobaba betu, namakosi etu, nezikulu zetu, emizini ya kwaJuda na sezitalatini zeJerusalema; sa si suti ukuhdhla, sa hlala kahle, ka sa bona okubi.

18 Kepa iloku sa yeka ukutyisela inkosikazi yezulu impepo nokutelela iminikelo yokupuza si swele konke, si qedwe ngenkamba na ngendhlala.

19 Na lapo sa si tyisela inkosikazi yezulu impepo, sa i telela iminikelo yokupuza, sa yenzela ini izinkwana zokubonga, sa i telela iminikelo yokupuza ngapandhle kwamadoda etu na?

20 uJeremia wa se e ti kubantu bonke, kuwo amadoda, na kubafazi, na kubantu bonke aba be m pendulile ngalozwi, wa ti,

21 Impepo ena i tyisayo emizini ya kwaJuda na sezitalatini zeJerusalema, nina, noyihlo benu, namakosi enu, nezikulu, nabantu bezwe, uJehova ka i kumbulanga na, ka ku ngenanga enhliziyweni yake na?

22 uJehova wa e nga se nakubekezelela okubi kwemisebenzi yenu, okunengekayo eni kwenzileyo; ngako izwe lenu li citekile, li qediwe, li tukiwe, ku nge ko muntu owakileyo kulo.

23 Ngokuba ni tyisile impepo, nonile kuJehova, ni nga lalazi izwi lika Jehova, ni nga hambani ngomteto wake, na ngezimiso zake, na ngemiyalo yake, ngako nehlelwe i lobububi njenga namhla.

24 Futi uJeremia wa ti kubantu bonke, na kubafazi bonke, Yizwani izwi

lika Jehova, nina nonke ba kwaJuda, eni sezweni la sEgipite;

25 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Nina nabafazi benu, ni kulumile ngemilomo yenu, nenza ngezandhla zenu, na ti, Impela si ya kugeina izifungo zetu, esi zi fungileyo, si tyisele inkosikazi yezulu impepo, si i telele iminikelo yokupuza; impela ni ya kuzeza izifungo zenu, impela ni ya kugeina izifungo zenu.

26 Ngako yizwani izwi lika Jehova, nina nonke ba kwaJuda enakileyo ezweni la sEgipite; u tyo uJehova u ti, Bheka, ngi fungile igama lami elikulu, igama lami a li yi kubuya li bizwe umlomo womuntu wa kwaJuda ezweni lonke la sEgipite, ngokuti, Kupila kweNkosi, uJehova.

27 Bheka, ngi ya kubalinda ku be kubi, ku nga bi kuhle, abantu bonke ba kwaJuda aba sezweni la sEgipite ba ya kuqedwa ngenkemba, na ngendhlala ba ze ba pele.

28 Kepa aba sindayo enkembeni ba ya kubuya ezweni la sEgipite ba ye ezweni la kwaJuda, nabaseleyo bonke ba kwaJuda aba yile ezweni la sEgipite, ukuba ba hlale kona, ba ya kwazi ukuba ilipi izwi eli yi kuma, nokuba elami, nokuba elabo.

29 Lesi si ya kuba isibonakaliso, u tyo uJehova, sokuti ngi ya kunityaya ku lendawo, ukuba nazi ukuti, amazwi ami a ya kunimela impela ku be kubi,

30 U tyo uJehova, u ti, Bheka, ngi ya kunikela uFarohofra, inkosi ya sEgipite, esandhlani sezita zake, na sesandhlani sabafuna ukupila kwake; njengaloku nga m nikela uZedekia, inkosi ya kwaJuda, esandhlani sika Nebukadrezari, inkosi ya seBabuloua, isita sake, e funa ukupila kwake.

#### ISAHLUKO 45.

**I**ZWI a li tyoyo uJeremia umprofeti kuBaruki indodana ka Neria, e sa laba lawamazwi enewadini, e wa tata emlonyeni ka Jeremia, ngomnyaka wesine ka Jehoakimu indodana ka Josia, inkosi ya kwaJuda, li ti,

2 U tyo uJehova, uTixo ka Israeli, kuwe, Baruki, u ti,

3 U bu tyo, u ti, Nako kimina! ngokuba uJehova enezele ukudabuka osizini lwami; ngi diniwe ngokukala kwami; a ngi fumani ukupumula.

4 Wo tyo kuye, u ti, U tyo uJehova, u

ti, Bheka, loko engi kwakileyo ngo ku bidhliza; na loko engi ku tyalileyo ngo ku sipula, yebo, lelizwe lonke.

5 U zifunela izinto ezinkulu na? u nga zi funi; ngokuba, bheka, ngi ya kwehlisela kubantu bonke okubi, u tyo uJehova; kepa ukupila kwako ku ya kuba impango yako ezindaweni zonke o ya kuzo.

#### ISAHLUKO 46.

**I**ZWI lika Jehova ela fika kuJeremia umprofeti ngabezizwe,

2 NgEgipite, na ngempi ka Faroneko inkosi ya sEgipite, eya i ngasemfuleni uUfrate eKarkemishi, a i tyayayo uNebukadrezari inkosi ya seBabulona ngomnyaka wesine ka Jehoakimu indodana ka Josia inkosi ya kwa Juda.

3 Lungisani ihau nesihlangu, ni sondele ekulweni.

4 Bopani amahashi, ni kwele, nina bamahashi, ni suke ni me ni neziquko, ni pucuze imikonto, nambate amabanti.

5 Ku ngani ukuba ngi ba bone be tyaywe uvalo, be buyela emva? amaqawe abo a citekile, a baleka nokubaleka, e nga bheki emuva, ku kona ukwesaba; u tyo uJehova.

6 O nejubane ka nga baleki, iqawe a li nga sindi; ba ya kukubeka ba we ngasenyakato, nga semfuleni uUfrate.

7 Ubani lo owenyukayo njengoNile, amanzi ake a guba njengozamcolo?

8 iEgipite lenyuka njengoNile, amanzi alo a guba njengozamcolo, la ti, Ngi ya kwenyuka, ngi mboze izwe, ngi qede umuzi nabakileyo kuwo.

9 Kupukani, mahashi; futani, zinqola; a ku pume amaqawe, uKushi noPuti, aba pata isihlangu; naba kwa Ludi, aba pata umcibityolo be u nyatela.

10 Lolosuku lu ngolweNkosi, uJehova wemikosi, usuku lokupindisela lokuba a pindisele kwaba izita zake; inkemba i ya kudhla, i sute, i dakwe igazi labo; ngokuba iNkosi, uJehova wemikosi, i nomhlatyelo ezweni la senyakato ngasemfuleni uUfrate.

11 Yenyuka u ye eGiladi, u tabate ibalsamu, ntombi, ndodakazi ya sEgipite; u pata ngeze imiti eminingi, a u nakupola.

12 Izizwe zi zwile ngehlozo lako; izwe li gewele ngokukala kwako; ngokuba iqawe la kubekisana neqawe a wa ndawonye omabili.

13 Izwi a li tyoyo uJehova kuJeremia umprofeti ngokuza kuka Nebukadrezari, inkosi ya seBabulona, ukutyaya izwe le sEgipite.

14 Yazisani Egipite, ni memezele eMidgoli, ni memezele eNofi na seTapanesi, ni ti, Suka u me, u lungise; ngokuba inkemba i dhlile abakelene nawe.

15 Iziqwaga zako zi kukulelweni? a zi manga, ngokuba uJehova wa zi kula.

16 U yandisa ababutakataka, yebo ba ya wa omunye pezu komunye; ba ti, Sukani, a si buyele kwabakiti, na sezweni esa zalwa kulo, si muke enkenbeni e si bulalayo.

17 Ba kala kona ba ti, uFaro inkosi u citekile; u lahlekelwe isikati e be si misiwé.

18 Kupila kwami, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo, impela njenjeTabori ezintabeni, na njenjeKarneli ngaselwandhle, u ya kuza.

19 Zenzele impahla yokutumbeka wena owakileyo, ndodakazi ya sEgipite; ngokuba iNofi li ya kuba ihlane, li citeke li ngakiwa muntu.

20 iEgipite li isitokazi esihle, kepa ku yeza ku yeza ukufa ku vela ngase-nyakato.

21 Abakokelwayo balo pakati kwalo ba njengamatole anonileyo, ngokuba be penduka, be baleka kanyekanye, ka bemi, ngokuba behlelwe usuku losizi lwabo, isikati sokutyaywa kwabo.

22 Izwi lalo li ya hambisa okwelenyoka, ngokuba be hamba nempí, beza kulo be pete izimbazo njengabagaulayo imiti.

23 Ba gaulile ihlali lalo, u tyo uJehova; ngokuba a li nakuhanjelwa, ngokuba be ba ningi ku nesikonyana, be nge nakubalwa.

24 Indodakazi ya sEgipite i jabile, i nikelwe esandhleni sabantu ba senyakato.

25 U tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bhéka, ngi tyaya uAmoni wa seNo, noFaro, nEgipite, notixo balo, namakosi alo, uFaro nabatamba kuye.

26 Ngí ba nikela esandhleni sabafuna ukupila kwabo, na sesandhleni sika Nebukadrezari inkosi ya seBabulona, na sesandhleni sezinceku zake; kona li ya kwakhiwa njengendulo, u tyo uJehova.

27 Kepa u ngesabi, wena nceku yami Jakobe, u nga tyaywa uvalo, wena Isra-

eli; ngokuba bhéka, ngi ya kukusindisa u sekude, nenzalo yako ezweni e tunjlelwe kulo; uJakobe u ya kubuya, a hlale kahle, a buse, a nga satyiswa muntu.

28 U ngesabi, wena nceku yami Jakobe, u tyo uJehova, ngokuba ngi nawe; ngokubangi ya kuqeda izizwe engi ku xotyele kuzo, kepa a ngi yi kukuqeda wena, ngi ya kukululeka ngokufaneleyo, ngi nga tyo ukuti a u nacala.

#### ISAHLUKO 47.

**I**ZWI lika Jehova ela fika kuJeremia umprofeti ngamaFilisti, uFaro e nga ka tyayi iGaza.

2 U tyo uJehova, u ti, Bhéka, amanzi a yenyuka ngasenyakato, a be uzamcolo o kukulayo, a kukule a qede izwe nako konke oku kulo; umuzi nabakileyo kuwo; abantu ba ya kukala, bonke abakileyo ezweni ba ya kulila.

3 Ngokuzwakala kwezigqi zamasondo amahashi ake a qata, ngokuhlokoma kwezinqola zake, udumo lwamasondo ake, oyise a ba pendukeli kubantwana babo ngobutakataka bezandhla zabo;

4 Ngenxa yosuku oluzayo ukucita onke amaFilisti, ukunquma eTire na seSidoni bonke abasizayo abaseleyo; ngokuba uJehova u ya cita amaFilisti, abaseleyo bezwe la seKaftori.

5 Ubumpandhla se bu fikile eGaza, ku citiwe iAshkeloni, insalo yesihlambo sabo; u ya kuzisika ku ze ku be nini na?

6 Au, nkemba ka Jehova, ko za ku be nini u nga tuli na? Buyela eikeni lako, u hlale u tule.

7 U nga tula kanjani? uJehova u i yalile ngeAshkeloni na ngezwe eli ngasolwandhle. U i misele kona.

#### ISAHLUKO 48.

**N**GOMOABI u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Nako kulo iNebo, ngokuba li citekile; iKiriataimi li jabile, li nqotyawe; iMisgabi li jabile, lesabeka.

2 uMoabi ka se nakubongwa; ba cebile okubi ngaye eHeshboni, be ti, Woza ni, si m nqume, a nga bi isizwe. Nawe, Madmeni, u qediwe, inkemba i ku landela.

3 Izwi lokukala li vela eHoronaimi; ukupangwa nokucitika okukulu.

4 uMoabi u citekile; ku zwakele ukukala kwabancinyane bake.

5 Ngokuba ekwenyukeni kwa seLuhiti kwenyukwa ngokulila, ngokulila; ngokuba ekwehleni kwa seHoronaimi ku zwakele izita zokukala kokuciteka.

6 Balekani, ni zisindise, ni be njengohleziyo yedwa ehlane.

7 Ngokuba ngokwetemba kwako emibenzini yako na semfuyweni yako, nawe u ya banjwa, noKemoshi u ya kutunjwa, kahye nabapristi bake nezikulu zake.

8 Umpangi u ya kufika emizini yonke, u nga sindi namuzi; isihlambo so citeka, netafa li ya kuqedwa, njengokutyo kuka Jehova.

9 Nikani uMoabi amapiko, ngokuba u ya kubaleka, kepa imizi yalo i ya kuciteka, i ngakiwa muntu.

10 Ka tukiwe lowo o sebenza umsebenzi ka Jehova ngokunqena; ka tukiwe lowo o vimbela inkemba yake i nga palazi igazi.

11 uMoabi u be hlezi kahle iloku wa zalwa, wa hlala enzikeni yake, ka tululwanga ezityeni ngezitya, ka tunjwanga; ngako ukuzwakala kwake ku ini kuye, nepunga lake a li guqukanga.

12 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kutuma ngazo abatanbekisi aba za kumtambekisa, ba tulule izitya zake, ba pahlaze amagaba abo.

13 uMoabi u ya kujaba ngoKemoshi, njengabakwaIsraeli ba jaba ngeBeteli, itemba labo.

14 Ni nga tyo kanjani ukuti, si ngamaqawe, si ngabantu abaqata ekuhlweni?

15 uMoabi u citekile, imizi yake i yenyuka; izinsizwa zake ezinhle zehla ukuya kubulawa, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo.

16 Ukuhlupeka kuka Moabi ku seduze ukufika, usizi lwake lu ya tyetya ngamandhla.

17 M kaleleni, nina nonke enakeleni naye, nani nonke enaziyo igama lake, ni ti, Yeka, yapukile intonga e namandhla, uti oluhle.

18 Yehla ebukosini, u hlale womile, wena owakileyo ndadakazi ya seDiboni; ngokuba ocitayo uMoabi u yeza kuwe, u ya bidhliza izinqaba zako.

19 Yina ngasendheleni, u buke, wena sifazana owakileyo eAroeri; u buze kowesilisa obalekayo, na kowesifazana osindayo, u ti, ku ini okwenziweyo?

20 uMoabi u jabile; ngokuba u bidhli-

ziwe. Lila, u kale; memezelani eArnoni, ni ti, uMoabi u citekile;

21 Ukwahlula kwehlele ezweni letafa, eHoloni, na seJahaza, na seMefati,

22 Na seDiboni, na seNebo, na seBetdiblataimi,

23 Na seKiriataimi, na seBetganuli, na seBetmeoni,

24 Na seKerioti, na seBozra, na semizini yonke yezwe lika Moabi, e kude ne seduze.

25 Upondo luka Moabi lu nqunyiwe, nengalo yake yapukile, u tyo uJehova.

26 M dakiseni, ngokuba u zikukumezile kuJehova; uMoabi u ya kuhlala ebuhlanzweni bake, u ya kweiswa.

27 uIsraeli wa e ngeiswanga uwe ini, lapo e se funyenwe pakati kwamasela? ngokuba nxa u kuluma ngaye wa niki- na ikanda.

28 Shiyani imizi, ni hlale edwaleni, nina bakileyo kwaMoabi, ni be njengejuba elakayo ezindongeni ngasesiweni.

29 Si zwile ukuzidhla kuka Moabi, o zidhlayo kakulu, ukupakama kwake, nokuzidhla kwake, nobukosi bake, nokukukumala kwenhliziyo yake.

30 Ng i ya kwazi ukuzidhla kwake, u tyo uJehova, nokuize kokubonga kwake, a kwenzanga luto.

31 Ngako ngi ya lilela uMoabi, ngi ya kukalela uMoabi wonke, ku dabukelwa abantu ba seKerheresi.

32 Ng i ya kalela iJazeri ngi suke ngi ku kalele, wena vini la seSibma; amahlumela ako a welile ulwandhle, a finyelele elwandhle lwa seJazeri; o citayo wehlele ezitelweni zemiti na sezitelweni zesivini;

33 Kwamukiwe ukwenama nokujabula emasimini emiti na sezweni lika Moabi; ngenzile ukuba ku ngamuke iwaini ezikameni; a ba yi kunyatela ngokuhlalalisa, ngokuhlalalisa oku nge siko ukuhlalalisa.

34 Ba kipa izwi labo ku suka eHeshboni ku ze ku fike eEleale, ku ze ku fike eJahazi; ku suka eZoari ku ze ku fike eHoronaimi, be kalisa okwesitokazi esiminyaka mitatu, ngokuba namanzi a seNimrimi a ya kuciteka.

35 Ng i ya kuqeda eMoabi, yena onikelayo ezindaweni ezipakamileyo, notyisela otixo bake impepo.

36 Ngako inhliziyoyami i ya kalela uMoabi njengemityingo; inhliziyoyami i ya kalela abantu ba seKirheresi, ngokuba ubuningi a bu zuzileyo bu citekile



37 Ngokuba amakanda onke a izimpandhla, nezilevu zonke zi puculiwe, izandhla zonke zi zauliwe, nezinkalo zi botyiwe ngendwangu yamasaka.

38 Ku kona ukulila pezu kwezindhlu zonke zika Moabi, na sezitalatini zake; ngokuba ngi ma pulile uMoabi njengesitya esi nge nakutandeka, u tyo uJehova.

39 Yeka, wapukile, ba ya lila; yeka, uMoabi u pendukile e hlazekile; uMoabi u ya kudelelwa, a sabeke kubo bonke abakelene naye.

40 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bheka, u ya ndiza njengokozi, elule amapiko ake pezu kuka Moabi.

41 Imizi i ngotywiwe, izinqaba zi zume-kile, inhliziyo yamaqawe a kwaMoabi ngalolosuku i ya kuba njengenhliziyo yomfazi obeletayo.

42 uMoabi u ya kunqunywa a nga bi isizwe, ngokuba u zikukumezile ku-Jehova.

43 U yehlelwa ukwesaba, negebe, nomgibe, wena owakileyo kwaMoabi, u tyo uJehova.

44 Obalekela ukwesaba u ya kuwa egebeni, nopumayo egebeni u ya kubanjwa ngomgibe; ngokuba ngehlisela kuye, yebo, kuMoabi umnyaka wokutyaywa kwabo, u tyo uJehova.

45 Ababalekileyo ba yema emtunzini wa seHeshboni be nge namandhla; ngokuba umlilo u ya puma eHeshboni, nelangabi eSihoni, ku ya dhla izwe la kwaMoabi nokakayi lwabantwana bomsindo.

46 Nako kuwena, Moabi, abantu ba seKemoshi ba pelile, ngokuba amadodana ako a tunjiwe, namadodakazi ako a tunjiwe.

47 Kepa ngi ya kubuyisa abantunjiweyo ba kwaMoabi ezinsukwini zokupela, u tyo uJehova. Se ku pelile ukwahlulwa kuka Moabi.

#### ISAHLUKO 49.

**N**GABANTWANA baka Amoni, u tyo uJehova, u ti, uIsraeli ka nabantwana? ka nandhlalifa na? Po, uMal-komi u dhlelani ifa lika Gadi, abantu bake be hlala emizini yake.

2 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kuzwakalisa ngazo umkosi wokulwa eRaba la kwaAmoni; li ya kuba inqwaba yezibi, amadodakazi alo a ya kutyiswa ngomlilo; uIsraeli u ya kuba indhlalifa yezindhlalifa zake, u tyo uJehova.

3 Kala, Heshboni, ngokuba iAi li citekile; kalani, nina madodakazi ka Raba, ni bince indwangu yamasaka; ni lile, ni gijigijime ezindongeni: ngokuba uMal-komi u ya kutunjwa, abapristi bake nezikulu zake kanyekanye.

4 U zikukumezelani ngezihlambo zako na? isihlambo sako si yemuka namanzi, wena ndodakazi ehlubukayo, eyetamba imfuyo yayo, i ti, Ubani o ya kuza kimi na?

5 Bheka, ngi yehlisela kuwe ukwesaba ku vela kubo bonke abakelene nawe, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi; ni ya kuxotywa, ku be ilowo a qonde; a ku yi kubako obutayo abedukileyo.

6 Kodwa ngi ya kubuya ngi buyisele abantunjiweyo ba kwaAmoni, u tyo uJehova.

7 NgoEdomi, u tyo uJehova wemikosi, u ti, A ku se ko ukuhlakanipa eTemani na? ukuceba ku pelile kwabaqondayo na? ukuhlakanipa kwabo ku nyamalele na?

8 Balekani, pendukani, hlalani ezindaweni ezijulileyo, nina bakileyo eDedani, ngokuba ngi yehlisela kuye ukubujisa kuka Esau, isikati engi m tyaya ngaso.

9 Uma ku fika kuwe aba vuna amavini a ba shiyi amavini okukototzwa, uma amasela e fika ebusuku a ya cita a ze e sute.

10 Ngokuba ngi nqunisile uEsau, ngi penyile izindawo zake zokucatya; ka nakucatya; inzalo yake i citekile nabawo waba, nabakelene naye, ka se ko.

11 Shiya izintandane zako, ngi ya kuzigcina, zi pile, nabafelokazi bako ma ba tembe kimi.

12 Ngokuba u tyo uJehova, u ti, Bheka, kubo, aba nomteto wokungapuzi isitya, bo si puza, wena u ya kutetelelwa ini? a u yi kutetelelwa, kepa wo si puza.

13 Ngokuba ngi zifungile, u tyo uJehova, nga ti, iBozra li ya kuciteka, li delelwe, li be ugwadule, li tukwe; nemizi yonke yalo i ya kuhlala i citekile njalo.

14 Ngi zwile indaba e vela kuJehova, isigijimi si tunyiwe ezizweni, si ti, Butani, ni hlasele kulo, ni sukele ukulwa.

15 Ngokuba, bheka, ngi ya kukwenza u be mncinyane ezizweni, u delelwe abantu.

16 Ukwesabeka kwako ku ku kohlisile, ukuzidhla kwenhliziyo yako, wena o

hlezi ezimfanteni zamatye, o nesiqongo sentaba; noma waka indhlu yako pezulu njengokozi, ngi ya kukwehlisa kona, u tyo uJehova.

17 Naye uEdomi u ya kuciteka; bonke aba dhlula kuye ba ya kwetuka, ba hlabe amakwelo ngenxa yokutyaywa konke kwake.

18 Njenga sekucitekeni kweSodoma neGomora nemizi e ngakona, u tyo uJehova, a ku yi kwaka kona umuntu, nendodana yomuntu a i yi kuhlala kwake.

19 Bheka, u ya kupuka njengengonyama ekuzidhlani kweJordanu u ye edhlelweni eli luhlaza njalonzalo, ngokuba ngokwezizima kweso ngi ya ni xotya lapo; ubani o ketiweyo? ngi ya kumbeka yena pezu kwake; ngokuba ubani o ngangami? ubani o ya kungimangalela na? ubani o ngumalusi o ngema pambi kwami?

20 Ngako yizwani icebo lika Jehova a li cebileyo ngoEdomi, nezinzindhlo a zi zindhlile ngabantu ba seFemani; impela ba ya kuhudulwa abancinyane bomhlambi; impela idhlelo li ya kumangalanga ngabo.

21 Umhlaba u ya dikizela ngomsindo wokuwa kwabo; ukukala, udumo lwawo lu zwakele elwandhle olubomvu.

22 Bheka, u yenyuka, a ndize njengokozi, elule amapiko ake pezu kweBozra; inhliziyo yeziqwaga zika Edomi ngalolosuku i ya kuba njengenhliziyoyomfazi o beletayo.

23 NgeDameseku. Ku jabile iHamati neArpadi; ngokuba be zwile indaba embi, ba pela mandhla; ku kona ukwesaba elwandhle, a lu nakutula.

24 iDameseku se li butakataka; li ya penduka ukubaleka, li ya tyaywa uvalo, li ya banjwa izinsizi nobuhlungu nje ngomfazi obeletayo.

25 Yeka, a u shiyiwe lni umuzi odumileyo, umuzi wokutokoza kwami?

26 Ngako izinsizwa zawo zi ya kuwa ezitalatini, nabantu bonke bokulwa ba ya kunqunywa ngalolosuku, u tyo uJehova wemikosi.

27 Ng i kupemba umlilo odongeni lweDameseku, o za kuqeda izindhlu-nkulu zika Benhadadi.

28 U tyo uJehova ngeKedari, na nge-mibuso ya seHazoni, a i nqobayo uNebukadrezari, inkosi ya seBabulona, u ti, Sukani, ni kupuke ni ye eKedari, ni cite amadodana a sempumulanga.

29 Ba ya kutabata otente babo nemi-

hlambi yabo, ba zitabatele izilenge zabo, nezinto zonke zabo, namakamelo abo; ba ya kukala ngabo ba ti, Ukwesabeka inxa zonka.

30 Balekani, ni gjime kakulu, ni hla-le emigodini, nina bantu ba seHazoni, u tyo uJehova, ngokuba uNebukadrezari inkosi ya seBabulona u cebile icebo ngani, wa qamba isu ngani.

31 Sukani, ni kupuke ni ye esizweni esitulileyo, si hlezi kahle, u tyo uJehova; a si nasivalo nezihlutulelo, sakile sodwa.

32 Amakamelo aso a ya kupangwa, samukwe neningi lezinkomo zaso; ngi ya kubahlakazela emoyeni yonke abapuculwa izilevu emacaleni, ngi behlisele izinsizi zi vela inxa zonke, u tyo uJehova.

33 iHazoni li ya kuba indawo yamankentyane, li be ugwadule ku ze ku be pakade, ku ngaki kona umuntu, nendodana yomuntu i nga hlali kulo.

34 Izwi lika Jehova ela fika kuJeremia umprofeti ngeElamu, ekuqaleni kokubusa kuka Zedekia, inkosi ya kwa-Juda, li ti,

35 U tyo uJehova wemikosi, u ti, Bheka, ngi ya kwapula uncibityolo weElamu, amandhla abo amakulu.

36 Ng i ya kwehlisela eElamu imimoya emine i vela emacaleni omane ezulu, ngi ba hlakazela ku leyomimoya yonke, ku nga bi ko isizwe aba nga yi kufika kuso abaxotyiweyo ba seElamu.

37 Ng i ya kwesabisa iElamu pambi kwezita zabo, na pambi kwabafuna ukupila kwabo; ngi ya kubehlisela okubi, ulaka lwami oluvutiweyo, u tyo uJehova; ngi ya kutuma emva kwabo iukemba ngi ze ngi ba qede.

38 Ng i ya kumisa isihlalo sami eElamu, ngi bubise kona inkosi nezikulu, u tyo uJehova.

39 Kepa ku za kuti ezinsukwini zokupela ngi ya kubuyisa abatunjiweyo ba seElamu, u tyo uJehova.

#### ISIAHLUKO 50.

**I**ZWI a li tiyo uJehova ngeBabulona, ngezwe lamaKaldea, ngoJeremia umprofeti.

2 Yazisani ezizweni, ni memezela, ni mise isibonakaliso, memezelani, ni nga tukusi, ni ti, iBabulona li nqotywe, uBeli u jabile, uMerodaki u bidhliziwe, izitombe zalo zi jabile, imifaekiso yalo i bidhliziwe.

3 Ngokuba ku yeza kulo isizwe si vela ngasenyakato, esi ya kucita izwe lalo, ku nga bi ko muntu o hlala kulo; ba ya kubaleka, bemuke, abantu nezilwane.

4 Ngalezozinsuku, na ngalesosikati, u tyo uJehova, abakaIsraeli ba ya kufika, bona kanye nabakaJuda; ba ya kuza be kala, ba fune uJehova uTixo wabo.

5 Ba ya kubuza indhlela e ya eZioni, be bheka kona, be ti, Wozani si hlangane noJehova ngesivumelwano esipakade, esi nga yi kukohlakala.

6 Abantu bami ba be izinvu ezilahlekileyo; abalusi babo ba bedusa, be ba pambukisela ezintabeni, ba hamba izintaba ngezintaba, ba kohlwa indawo yabo yokupumula.

7 Bonke aba ba fumanayo ba ba dhla; izita zabo za ti, A soni ngaluto, ngokuba bouile kuJehova, idhlelo lokulunga, itemba la oyise, uJehova.

8 Balekelani eBabulona, ma ba pume ezweni lamaKaldea, ni be njengezimpongo pambi kwemihlambi.

9 Ngokuba, bheka, ngi ya kuvusa, ugenyusele eBabulona izizwe eziningi ezikulu zi vela ezweni la senyakato; zi ya kuzihlela zi lwe nalo; kona li ya kunqotywa; imicibityelo yazo i ya kuba njengeyqawe elahlulileyo eli nga buyize.

10 iKaldea li ya kupangwa; bonke aba li pangayo ba ya kusuta, u tyo uJehova.

11 Ngokuba na jabula, ngokuba na tokoza, nina bapangi befa lami, ngokuba neqa njengetokazi eli kalayo, na kalisa okwamahashi.

12 Unyoko u ya kujaba kakulu, owa ni zalayo u ya kuhlazeka; bheka, ukupela kwezizwe, ugwadule, izwe eligugileyo, ihlilane.

13 Ngenxa yolaka luka Jehova a li yi kwakiwa muntu, kepa li ya kuhlala li citekile; bonke aba dhlula eBabulona ba ya kumangala, ba hlabe amakwelo ngokutyaywa konke kwalo.

14 Zihleleni eBabulona inxa zonke, nina nonke eni pata umcibityolo, ni li tyaye, ni nga ncityi imicibityolo, ngokuba wonile kuJehova.

15 Memezani kulo inxa zonke, li nikhile isandhla salo, izisekelo zalo zi wile, izindonga zalo zi bidhliziwe; ngokuba ku ukupindisa kuka Jehova; pindiselani kulo; nenze kulo njengaloku li kwenzile.

16 Nqumani eBabulona ohlwanyelayo

nopata isikela ngesikati sokuvuna; ngenxa yenkemba ebulalayo ma ba buyele bonke kwabakubo ba balekele bonke ezweni lakubo.

17 uIsraeli u izimvu ezicitekileyo; izingonyama zi m xotyile; kuqala inkosi ya seAsiria ya mu dhla, ekupeleni lo uNebukadrezari inkosi ya seBabulona wapulile amatambo ake.

18 Ngako u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Bheka, ngi ya kutyaya inkosi ya seBabulona nezwe layo, njengaloku ngi tyayile inkosi ya seAsiria.

19 Ngi ya kubuyisela uIsraeli edhlelweni lake; u ya kudhla eKarmeli na seBashani; upemfumo wake u ya kusuta entabeni ka Efraini na seGiladi.

20 Ngalezozinsuku, ngalesosikati, u tyo uJehova, ku ya kufunwa icala lika Israeli, kepa a li yi kubako; nezono zika Juda, kepa a zi yi kufunyanwa; ngokuba ngi ya kubatetelela engi ba sindisayo.

21 Kupuka u ye ezweni la seMera-taimi, kulona na kubantu ba sePekodi; cita u qede emva kwabo, u tyo uJehova, wenze njengako konke engi ku yalile ngako.

22 Ku kona umsindo wokulwa ezweni, nowokuciteka okukulu.

23 Yeka, isando somhlaba wonke si dabukile, sapukile; yeka, iBabulona li isimangaliso ezizweni.

24 Ngi ku cupile, wa banjwa, Babuloni, u ngazi; u funyenwe, wa banjwa, ngokuba u pikisene noJehova.

25 uJehova u vulile isizibekelo sake, wa kipa izikali zolaka lwake; ngokuba loku ku umsebenzi weNkosi, uJehova wemikosi, ezweni lamaKaldea.

26 Wozani kulo ni vela na semkawlweni wezwe, ni vule izizibekelo zalo, ni li bute ku nga ti izinqwaba zezibi, ni li qede, ku nga sali luto kulo.

27 Hlabani izinkabi zonke zalo, a ze-uke zi ye kuhlatywa; nako kuzo, ngokuba se ku fikile usuku lwazo, isikati sokutyaywa kwazo.

28 Umsindo wababalekayo nowabasi-ndayo ezweni la seBabulona, be ya kubika eZioni ukupindisa kuka Jehova, uTixo wetu, ukupindisa kwetempeli lake.

29 Memezani abomcibityolo ba lwe neBabulona; nina nonke eni goba umcibityolo, ni ngenise kulo inxa zonke; a ku nga sindi muntu; ni pindise kulo njengemisebenzi yalo, nenze kulo

njengako konke eli kwenzileyo; ngokuba li zikukomezile kuJehova, kuye o ingewele ka Israeli.

30 Ngako izinsizwa zalo zi ya kuwa ezitalatini zalo, nabantu bonke balo bokulwa ba ya kunqunywa ngalolosuku, u tyo uJehova.

31 Bheka, ngi ze kuwe, wena ozidhlayo, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi, ngokuba se ku fikile usuku lwako, isikati sokutyaywa kwako.

32 Kona ozidhlayo u ya kukubeka a we, ku nga biko omvusayo; ngi ya kupemba umlilo emizini yalo, o za kuqeda konke okukona inxa zonke.

33 U tyo uJehova wemikosi; u ti, Ba hlutywa abakwaIsraeli kanye nabakwaJuda; bonke aba ba tumbileyo ba ba bamba ngamandhla, bala ukubayeka.

34 Umkululi wabo u namandhla, uJehova wemikosi igama lake; u ya kubamela kahle, ukuba a tulise izwe, a vuse abantu ba seBabulona.

35 Inkemba i wengeme amaKaldea, u tyo uJehova, nabantu ba seBabulona, nezikulu zalo, nezazi zalo.

36 Inkemba i zengeme izangoma, zi ya kuba izipukupuku; inkemba i wengeme amaqawe, a ya kujaba.

37 Inkemba i wengeme amahashi abo nezinqola zabo, nabo bonke abahlange-nalo aba kulo, ba ya kuba njengabesifazana; inkemba i yengeme imfuyo yalo, i ya kupangwa.

38 Ukomisa ku semanzini alo, a ya kutya; ngokuba li izwe lezitombe, ba hlwanyele imifanekiso yabo.

39 Ngako izilwane za sendhle zi ya kuhlala kona namankentyane; izintye zi ya kuhlala kulo; a li sa yi kubuya lakiwe napakade, ku nga hlalwa kulo izizukulwane ngezizukulwane.

40 Njengaloku uTixo wa cita iSodoma neGomora nemizi eya i kona, u tyo uJehova, a ku yi kwaka kona umuntu, nendodana yomuntu a i yi kuhlala kulo.

41 Bheka, ku yeza abantu be vela ngasenyakato, isizwe esikulu, namakosi amaningi a ya kupuma emikaulweni yomhlaba.

42 Ba ya pata umeibityolo nomkonto; ba nonya, be nge namusa; umsindo wabo u dumisa okolwandhile, ba kwele emahashini be hleliwe njengabantu be hlelele ukulwa, ba hlasela kuwe, ndodakazi ya seBabulona.

43 Inkosi ya seBabulona i zwile udumo lwabo, izandhla zake zi butakataka,

i banjwa izinsizi, nobuhlangu njengomfazi obeletayo.

44 Bheka, u ya kukupuka njengengonyama ekuzidhleni kweJordanu u ye edhlelweni eli luhlaza njalonzalo, ngokuba ngokuewazima kweso ngi ya ba xotyapa lapo; ubani oketiweyo? ngi ya kumbeka yena pezu kwalo; ngokuba ubani o ngangami? ubani o ya kungimangalela? ubani o ngumalusi o ngema pambi kwami?

45 Ngako yizwani icebo lika Jehova a li cebileyo ngeBabulona, nezinzindhlo a zi zindhlile ngezwe lamaKaldea; impela ba ya kuhudulwa, abaneinyane bomhlambi; impela idhlelo li ya kumangala ngabo.

46 Umhlaba u ya dikizela ngomsindo wokunqotywa kweBabulona, ukukala ku zwakele ezizweni.

#### ISAHLUKO 51.

U TYO uJehova u ti, Bheka, ngi ya kuvusela iBabulona, nabakileyo pakati kwabangivukeleyo, umoya obubisayo.

2 Ngi ya kutuma eBabulona abelayo, aba za kulela ba tulule izwe lalo, ngokuba ba ya kulipahla ngosuku lokubi.

3 Owomeibityolo ka m gobele lowo ogobayo na lowo ozipakanisayo embete ibantyi lokulwa, ni nga zi haukeli izinsizwa; qedani impi yonke yalo.

4 Ababuleweyo ba ya kuwa ezweni lamaKaldea, nabagwaziweyo ezitalatini zalo.

5 Ngokuba uIsraeli noJuda ka ba delwa uTixo wabo, uJehova wemikosi; kepa izwe labo li gewele ukona kuJehova.

6 Balekani eBabulona, ku be ilowo a zisindise; ni nga bujiswa ngokona kwabo; ngokuba ku isikati sokupindisa sika Jehova, u ya kupindisa kulo.

7 iBabuloni la li isitya segolide esandhleni sika Jehova, esa dakisa izwe lonke; izizwe zi puzile iwaini lalo, ngoko izizwe zi ya hlanya.

8 Ngesikatyana iBabulona li wile, la bidhlika, li kaleleni, ni li tabatele ibalsamu ngobuhlungu balo; mhlaumbe li nga sindiswa.

9 Si li sindisile iBabulona, kepa a li sindiswanga; li yekeni, si muke si ye, ku be ilowo a ye ezweni lakiti; ngokuba ukwahlulwa kwalo ku finyelele ezulwini, kwenyukele na semafwini.

10 uJehova u vezile ukulunga kwetu;

wozani, a si landise eZioni umsebenzi ka Jehova, uTixo wetu.

11 Lolani imicibityolo, ni gwalise izinhlangu; uJehova u vusile inhliziyo yamakosi ya seMedia; ngokuba u cebile ngeBabulona ukuba a li qede, ngokuba ku ukupindisa kuka Jehova ukupindisa kwetempeli lake.

12 Misani iziboniso ezindongeni zeBabulona, ni qinise ukulinda, ni mise abalindi, beka abalaleli; ngokuba uJehova u cebile, wenza, konke a ku tyiloyo ngabaseBabulona.

13 E, wena o hlala ngasemanzini amakulu, u vame imfuyo, se ku fikile ukupela kwako, isilinganiso sokupauga kwako.

14 uJehova wemikosi u zifungile, wa ti, Impela ngi ya kukugewalisa ngabantu, ku nga ti isikonyane, ba ya halalisa pezu kwako.

15 Wenza umhlaba ngamandhla ake, wa misa izwe ngokuhlakanipa kwake, weneka izulu ngokuqonda kwake.

16 Ngokuduma kwezwi lake ku kona amanzi amaningi ezulwini; u ya kupula inkungu emikaulweni yomhlaba; u yenza unyazi nemvula; u ya kipa umoya ezibekelweni zake.

17 Abantu bonke ba izipukupuku, be nge nakwazi; bonke ababumbayo izitombe ba jabile; ngokuba izitombe zabo zi ngamanga, a ku ko umoya kuzo.

18 Zi ize, umsebenzi wenkohliso; ngesikati sokuhanjelwa kwazo zi ya kupela.

19 O isabelo sika Jakobe a ka njengazo, ngokuba yena u ngumenzi wezinto zonke, uIsraeli u uhlanga lwefa lake; uJehova wemikosi igama lake.

20 Wena u iwisa lami, izikali zokulwa; ngi ya coboza izizwe ngawe, ngi ya qeda imibuso ngawe.

21 Ngi ya coboza ihashi nomkweli walo ngawe, ngi ya coboza inqola nomtyayeli wayo ngawe,

22 Ngi ya coboza abesilisa nabesifazana ngawe, ngi ya coboza ngawe abadala nabatya, ngi ya coboza izinsizwa nezintombi ngawe,

23 Ngi ya coboza umalusi nomhlambi wake ngawe, ngi ya coboza umlimi nezinkabi zake ngawe, ngi ya coboza amakosi nababusi ngawe,

24 Ngi ya pindisa eBabulona na kubantu bonke ba seKaldea okubi konke aba kwenzileyo eZioni pambi kwamehlo enu, u tyo uJehova.

25 Bheka, ngi ze kuwe, wena ntaba ebulalayo, u tyo uJehova, e bulala izwe lonke; ngi ya kwelula isandhla sami pezu kwako, ngi ku ginqe ematyeni, ngi kwenze u be intaba etyisiweyo.

26 A ku yi kutatyatwa kuwe itye legumbi, netye lokusekela, kepa u ya kuhlala u citekile ku ze ku be pakade, u tyo uJehova.

27 Misani ibaneli ezweni, ni tyaye itilongo ezizweni, ni lungise izizwe zi lwe nalo; ni li bizele imibuso ya seArarati, neMini neAshkenazi; ni mise induna yokulwa nalo, ni kupule amahashi njegesikonyane si vusile uboyo.

28 Lungisani izizwe zi lwe nalo, amakosi a seMedia nezinduna zalo, nababusi bonke balo nezwe lonke lombusi wabo.

29 Kona umhlaba u ya kuzamazama, u tutumele, ngokuba amacebo ka Jehova a ya kuma eBabulona, li ze li citeke li ngakiwa muntu.

30 Amaqawe a seBabulona a yekile, a hlezi ezinqabeni zawo; amandhla awo a pelile, a ngabafazi, ku tyisiwe izindhlu zalo, kwapulwe imivalo yalo.

31 Isigijimi si ya hlangana nesigijimi, nesitunywa si ya hlangana nesitunywa, zi ya kubika enkosini ya seBabulona ukuti umuzi wayo u nqotywe impela,

32 Amazibuko a vinjiwe, umhlanga u tyisiwe, amabuto a novalo.

33 Ngokuba u tyo uJehova wemikosi, uTixo ka Israeli, u ti, Indodakazi ya seBabulona i faua nesibuya; se ku isikati sokunyatelwa kwayo, ku se isikatyana ku za kufika kuyo isikati sokuvuna.

34 uNebukadrezari inkosi ya seBabuloni u ngi dhlile, wa ngi qeda, u ngi bekile ngi njengesitya esi ize, wa ngi gwi-nya njengengwenya, wa gwalisa isisu sake ngokumnandi kwami, wa ngi xotya.

35 Ukuhlutywa kwami nenyama yami a ku be pezu kweBabulona, u tyo owesifazana wa seZioni; igazi lami a li be pezu kwabaseKaldea, li tyo iJeruselema.

36 Ngako u tyo uJehova, u ti, Bheka, Ngi ya kukumela, ngi ku pindezele, ngomise ulwandhle lwalo, ngi tyise umtombo walo.

37 iBabulona li ya kuciteka, li be indawo yamankentyane, lesabeke, li hlal-tyelwe amakwelo, li ngakiwa muntu.

38 Ba ya kukonyisa okwazingonyama kanyekanye, ba kalise okwamaundhla ezingonyama.

39 Ekufudumeleni kwabo ngi ya kubenzela izidhlo, ngi ba dakise, ukuba ba lale ubutongo obupakade, ba nga vuki, u tyo uJehova.

40 Ngi ya kubehlisa njengamaundhlu ekuhlatyweni, njengezinqama nezimpongo.

41 Yeka, iSheshaki li nqotywe; udu-mo lwezwe lonke lwahlulwa; yeka, iBabulona li isimangaliso ezizweni.

42 Ulwandhle lu kupukele eBabulona; li gutyuzelwe amadhlambi alo amaningi.

43 Imizi yalo i citekile, li izwe elomileyo, li ihlane, li izwe eli ngakiwa muntu, nendodana yomuntu ka i dhluli kulo.

44 Ngi ya kuhambela kuBeli eBabulona, ngi kipe emlonjeni wake a ku gwinyileyo; izizwe a zi sa yi kubuya zi butane kuye; impela udonga lweBabulona lu wile.

45 Pumani kulo, bantu bami, ku be ilowo a zisindise olakeni olukulu luka Jehova.

46 Inhliziyo yenu ma i nga peli amandhla, ni ngesabi ngodumo oluzwakalayo ezweni, ngokuba ku ya kuzwakala udumo ngomnyaka, lu buye lu zwakale ngomnyaka wa semva, ku be kona ukulwa ezweni, inkosi i vukele inkosi.

47 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku engi ya kuhambela ngazo ezitombeni za seBabulona, izwe lonke lalo li ya kujaba, bonke ababuleweyo ba ya kuwa pakati kwalo.

48 Kona izulu nomhlaba nako konke oku kona ku ya kuhlalisa ngeBabulona, ngokuba ku ya kufika abapangi be vela enyakato, u tyo uJehova.

49 Njengaloku iBabulona lenza ukuba ba we ababuleweyo baka Israeli kanjalo ababuleweyo bezwe lonke ba ya kuwa eBabulona.

50 Nina eni sindileyo enkembeni, hambani, ni ngemi; kumbulani iJerusalemi ni kude, iJerusalem a li ngene ezinhlizinyweni zenu.

51 Si jabile ngokuba si zwile ukutuka kwabo, ihlazo li ya mboza ubuso betu, ngokuba abezizwe ba ngenile ezindaweni ezingewele zendhlu ka Jehova.

52 Ngako, bheka, ku yeza izinsuku, u tyo uJehova, engi ya kuhambela ngazo ezitombeni zalo; ababuleweyo ba ya kukala ezweni lonke lalo.

53 Noma iBabulona li kupukela ezulwini, noma li qinisa inqaba yalo epake-

meyo, kepa abapangi ba ya kusuka kimi beze kuye, u tyo uJehova.

54 Umsindo wokukala u vela eBabulona, nowokucitaka okukulu ezweni lama-Kaldea.

55 Ngokuba uJehova u ya panga iBabulona, u qede kulo umsindo omkulu; amadhlambi alo a ya duma njengamanzi amakulu; ku zwakele umsindo woku-hlokoma kwawo.

56 Ngokuba ku fikile kulo, kulo iBabulona, umpangi, amaqawe alo a banjiwe, imicibityolo yawo yapulwa; ngokuba uJehova u nguTixo wokupindisa; u ya kupindisa impela.

57 Ngi ya kudakisa izikulu zalo, nezazi zalo, nezinduna zalo, nababusi balo, namaqawe alo, ukuba ba lale ubutongo obupakade, ba nga be be sa vuka, i tyo iNkosi, uJehova wemikosi igama layo.

58 U tyo uJehova wemikosi, u ti Izindorga ezibanzi zeBabulona zi bidhlizwe impela, namasango alo amade a tyisiwe ngomlilo; abantu ba sebzile ngeze, ba kutale umlilo.

59 Izwi uJeremia umprofeti a m yala ngalo uSeraia indodana ka Neria, indodana ka Maseia; e sa hamba noZedekia inkosi ya kwaJuda ukuya eBabulona, ngomnyaka wesine wokubusa kwake.

60 uJeremia wa loba enewadini okubi konke oku za kwehlela iBabulona, lawamazwi onke a lotyiwe ngeBabulona.

61 uJeremia wa ti kuSeraia, Nxa u fika eBabulona, bheka, u funde lawamazwi onke;

62 U tyo u ti, E, Jehova, u kulumile ngalendawo ukuicita, ukuba ku nga hlali muntu kuyo, umuntu nesilwane, kepa i be ihlane ku ze ku be pakade.

63 Ku ya kuti, nxa u qedile ukufunda lenewadi, wo bopa itye kuyo, u i ponse eUfrate;

64 Yityo u ti, Kanjalo iBabulona li ya kucwila, li nga be li sa kujuka ngokubi engi ya ku kwehlisela kulo; ba ya kupela amandhla. Amazwi ka Jeremia a pela lapa.

ISAHLUKO 52.

**UZEDEKIA** wa e neminyaka emashumi amabili nanye e sa qala ukubusa; wa busa eJerusalem iminyaka e ishumi nanye. Igama lika nina la li nguHamutali, indodakazi ka Jeremia wa seLibna.

2 Wenza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke a be kwenzile uJehoa-kimi.

3 Ngako kwa ti eJerusalem a kwa-

Juda uJehova wa e tukutela wa za wa ba xa xoty a ebusweni bake. uZedekia wa hlubuka inkosi ya seBabulona.

4 Kwa ti ngomnyaka wesishiyagalolunye wokubusa kwake, ngenyanga yeshumu, ngosuku lweshumi lwenyanga, uNebukadrezari inkosi ya seBabulona wa fika eJerusalema, yena nempi yonke yake, wema ngakulo, waka izinqaba ngakulo inxa zonke.

5 Kwa njalo umuzi wa u vinjezelwe kwa za kwa ba umnyaka weshumi nanye ka Zedekia.

6 Ngenyanga yesine, ngosuku lweshiyagalolunye lwenyanga, indhlala ya ba nzima emzini, kwa ku nga bi ko ukudhla kwabantu bezwe.

7 Kona umuzi wa fohlwa, amabuto onke a baleka, a puma emzini ebusuku, e ya ngendhla ya sesangweni, pakati kwezindonga zombili, eli nga sensimini yenkosi; (amaKaldea a e kona nga semzini inxa zonke;) a ya ngendhla e ya esiblanjeni.

8 Kwa impi yamaKaldea ya i xoty a inkosi, ya fumana uZedekia ezinhlanjeni za seJeriko, impi yonke yake ya eiteka, ya m shiya.

9 Ba i bamba inkosi, ba i yisa enkosini ya seBabulona eRibla, ezweni la seHamati; ya teta icala layo.

10 Inkosi ya seBabulona ya bulala amadodana ka Zedekia emehlweni ake; ya bulala nezikulu zonke za kwaJuda eRibla.

11 Ya kipa amehlo ka Zedekia; inkosi ya seBabulona ya m bopa ngamaketango, ya m yisa eBabulona, ya m faka etilongweni wa za wa fa.

12 Kwa ti ngenyanga yesihlanu, ngosuku lweshumi lwenyanga, ngomnyaka weshumi nashiyagalolunye ka Nebukadrezari inkosi ya seBabulona, kwa fika eJerusalema uNebuzaradani, induna yamapolisa, owemayo pambi kwenkosi ya seBabulona;

13 Wa tyisa indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi, nezindhlu zonke za seJerusalema, nezindhlu zonke zezikulu, wa zi tyisa ngomlilo.

14 Nempi yonke yamaKaldea eya i nenduna yamapolisa, ya bidhliza izindonga zonke za seJerusalema inxa zonke.

15 uNebuzaradani induna yamapolisa ya tumba abanye abampofu ebantwini, nensali yabantu abaseleyo emzini, nabalubukileyo, aba hlubukele enkosini ya seBabulona nensali yabantu.

16 Kwa uNebuzaradani induna yamapolisa wa shiya abanye abampofu bezwe ukuba ba sebenze ezivini, ba lime.

17 Izinsika zetusi zendhlu ka Jehova nolwandhile lwetusi olwa lu sendhlini ka Jehova, amKaldea a zapula, a tabata itusi lonke lazo a ya nalo eBabulona.

18 Namabodwe, namafosholo, nezizenze, namabesini, nezinkezo, nezitya zonke zetusi okwa konzwa ngazo, a zi tabata.

19 Namabolwe, nezipatumlilo, namabesini, namabodwe, namakandela-bra, nezinkezo, namakapu, zegolide lodwa nezi isiliva lodwa, induna yamapolisa ya zi tabata.

20 Izinsika zombili, nolwandhile lunye, nezinkunzi zetusi ezi ishumi nambili ezi ngapansi kwezisekelo, uSolomona inkosi a be zenzele indhlu ka Jehova; itusi la lezitya zonke la li nge nakulinganiswa.

21 Izinsika lezo, ubude benye insika ba bu ngamakubiti a ishumi nashiyagalombili, ya botywa ngentambo e ya i ngamakubiti a ishumi nambili, uhlonze lwayo lwa lu iminwe emine; ya i umbobo.

22 Umcele wetusi wa u pezu kwayo; ubude bomunye umcele ba bu amakubiti a isihlanu; umcele wa setyenzwa ngokupanjaniswa na ngamarimoni, iuxa zonke; konke kwa ku itusi. Kwa ku njalo nenye insika namarimoni.

23 Kwa ku kona ezinhlangotini amarimoni a ngamashumi a shiyagalolunye nesitupa; amarimoni onke a semsebenzini o panjanisiweyo inxa zonke a e ikulu.

24 Induna yamapolisa ya tabata uSeraia umpristi omkulu, noZefania umpristi wesibili, nabalindi abatatu bomnyango;

25 Ya tabata emzini induna e ngumbusi wamabuto, nabantu aba isikombisa kulabo abemiyo enkosini, aba funyanwa emzini, nombali, inkosi yempi, owa mema abantu bezwe, nabantu abamashumi a isitupa ba lelozwe aba funyanwa emzini.

26 uNebuzaradani induna yamapolisa wa ba tabata, wa ba yisa enkosini ya seBabulona, eRibla.

27 Inkosi ya seBabulona ya ba tyaya, ya ba bulala eRibla, ezweni la seHamati. Kwa njalo uJuda wa tunjwa ezweni lake.

28 Laba ba ngabantu a ba tumbayo uNebukadrezari; ngomnyaka wesiko-

mbisa abaJuda aba izinkulugwane ezintatu namashumi amabili nautatu;

29 Ngomnyaka weshumi na shiyagalombili ka Nebukadrezari wa tumba eJerusalema abamakulu ashiyagalombili namashumi amatatu nambili.

30 Ngomnyaka wamashumi amabili nantatu ka Nebukadrezari uNebuzardanani induna yamapolisa wa tumba abaJuda abamakulu a isikombisa namashumi amane nanhlalani; abantu bonke ba be izinkulungwane ezine namakulu a isitupa.

31 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amatatu nesikombisa wokutunjwa kuka Jehoakini inkosi ya kwaJuda, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lwama-

shumi amabili nanhlanu lwenyanga, uEvilmerodaki inkosi ya seBabulona, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwake, wa pakamisa ikanda lika Jehoakini inkosi ya kwaJuda, wa m kipa etilongweni,

32 Wa kuluma kahle kuye, wa beka isihlalo sake ngasenhla kwezihlalo zamakosi a e naye eBabulona,

33 Wa pendula izingubo zake zetilongo; wa hlala e dhla ukudhla pambi kwake njalonzalo izinsuku zonke zokuhamba kwake.

34 Ukudhla kwake, njalonzalo wa piwa ukudhla inkosi ya seBabulona, imihla ngemihla wa kwabelwa wa za wa fa, izinsuku zonke zokupila kwake.

## ISILILO SIKAJEREMIA.

### ISAHLUKO 1.

**YEKA**, u hlezi wodwa umuzi owa u gwele abantu! u umfelokazi! lowo owa umkulu ezizweni, u inkosikazi emazweni, u ya teliswa!

2 U ya hla nokulila ebusuku, izinyembezi zawo zi sezihlatini zawo; a ku ko namunye o u duduzayo kubo bonke aba u tandayo: izihlobo zonke zawo zi u pete ngenkohliso, zi izita zawo.

3 uJuda u tunjiwe, ngokuhlupeka na ngokukonza okunzima; u hlezi kwabezizwe, ka fumani ukupumula: bonke aba m ziingelayo ba m fumana ezingingweni.

4 Izindhlela za seZioni zi dabukile ngokuba ku ngeziwa emihlanganweni yalo: amasango onke alo a citekile; abapristi balo ba ya kala, izintombi zalo zi ya hlupeka, li nezinsizi.

5 Aba li zondayo ba izikulu, izita zalo zi nenhlanihla; ngokuba uJehova u li bulele ngobuningi bezono zalo: abantwana balo ba tunjiwe izita.

6 Ubuhle bonke bentombi ka Zioni bu mukile: izikulu zalo zi njegezinyamazana ezi nga fumani idhilelo; zi mukile zi nge namandhla pambi kwabazixotyayo.

7 iJerusalema, ezinsukwini zokuhlupeka kwalo nosizi lwalo, la kumbula konke okumnaudi kwalo ela li nako ezinsukwini za sendulo, mhla abantu balo be wa esandhlani sesita, ku ngeko o li

sizayo: aba li zondayo ba li bona, ba hleka izinsizi zalo.

8 Impela iJerusalema lonile; ngako li ngeolile: bonke aba be li dumisa, ba ya li delela, ngokuba ba bonile ubunqunu balo: yebo, li ya kala, li fulatele.

9 Ukungecola kwake ku sezingntyeni zake: a u kumbulanga ukupela kwawo: nge wehlile ngokwesabeka, u nge nomhaukelayo. Bheka, Jehova, usizi lwami; ngokuba isita si kukumele.

10 Isita selulile isandhla saso kuko konke okuhle kwawo: ngokuba u bonile abezizwe be ngena endaweni yawo engewele, owa ba yala ukuba ba nga ngeni emhlanganweni wako.

11 Abantu bonke balo ba ya kala, be funa ukudhla: ba zenanile izinto zabo ezihle ngokudhla ukuba ba pile; bheka, Jehova, u bone; ngokuba ngi ya neugeka.

12 A ku luto ini kinina nonke eni dhululayo? bhekani, ni bone ukuba ku kona usizi olu ngangosizi lwami, ngehlwe ilo, a ngi bulele ngalo uJehova ngosuku lolaka lwake olukulu.

13 U tumile umlilo wa pezulu ematnjeni ami, u wahlulile: wenekele izinyawo zami ineta; u ngi buyisele emva; u ngenzile ngi eiteke ngi pela amandhla usuku lonke.

14 Ijokwe lezono zami li botyiwe ngesandhla sake; zalukiwe, zenyukele entanyeni yami; u qedile amandhla



ami; iNkosi i ngi nikele ezandhleni engi nge suke kuzo.

15 iNkosi i wa delele amaqawe pakati kwami: i ngi hlabele umkosi ukubulala izinsizwa zami: iNkosi i nyatele isikamo sevini sentombi, ihtombi ka Juda.

16 Ngalezizinto ngi ya kala; iso lami, iso lami li ya dlhluza izinyembezi, ngokuba ku kude nami umtokozisi o nga pilisa umpfumlo wami; abantwana bami ba citekile, ngokuba isita sahlulile.

17 iZioni li yelula isandhla salo, kepa a mu ko o li haukelayo: uJehova u yalile ngoJakobe ukuba abakelene naye ba be izita zake: iJerusalem li into engcolileyo.

18 uJehova u lungile; ngokuba ngi hlubukile umteto wake: a ke ni zwe, nonke nina bantu, ni bone usizi lwami: izintombi zami nezinsizwa zami zi tunjiwe.

19 Nga biza aba ngi tandayo, kepa ba ngi kohlisa; abapristi bami, namalunga ami ba fa emzini, ngokuba ba zifunela ukudhla, ukuba ba pilise imipefumlo yabo.

20 Bheka, Jehova, ngi nosizi; izibilini zami zi ya xapazela; inhliziyo yami i pandukile pakati kwami: ngokuba ngi hlubukile impela: ngapandhle inke-mba i ya ngamuka abantwana, njengokufa ekaya.

21 Bezwile ukuti ngi ya kala; a ku ko o ngi haukelayo; izita zonke zami zi zwile ukhlupeka kwami; zi ya tokoza ngokuba u kwenzile, u letile usuku o lu memezileyo. Kepa zi ya kuba nje-ngami.

22 Ukona konke kwazo a ku ze pambi kwako; yenza kubo njengaloku wenzile kimi ngezono zami: ngokuba ukukala kwami ku kulu, inhliziyo yami i pela mandhla.

## ISAHLUKO 2.

**Y**EKA, iNkosi ngolaka lwayo i yembesa intombi ya seZioni ngefu, ubuhle buka Israeli ba sezulwini i bu pousile pansi, a i kumbulanga isicamelo sezinyawo zayo ngosuku lolaka lwayo.

2 iNkosi ya gwinya imizi yonke ka Jakobe, i nga haukeli; ngolaka lwayo ya bidhliza izinqaba zentombi ka Juda, ya zi wisa pansi; ya ngecolisa umbuso nezikulu zawo.

3 Yapula ngolaka lwayo izimpondo zonke zika Israeli: ya buyisela emva

isandhla sayo sokunene pambi kwesita: ya tyisa uJakobe, njengelangabi li dhla inxa zonke.

4 Ya goba umeibityolo wayo njengesita: yema njengowempi ngesandhla sayo sokunene, ya cita konke okubukayo kuente wentombi ya seZioni: ya tulula ulaka lwayo njengomlilo.

5 Inkosi ya ba njengesita: ya gwinya uIsraeli; ya gwinya izindhlunkulu zonke zake, ya bidhliza izinqaba zayo; yandisa ukukala nokulila kuyo intombi ka Juda.

6 Ya cita indhlu yayo ngokungati eyensimu; ya ngamula imihlangano yayo: uJehova wenza ukuba ku kohlwe eZioni imihlangano namasabata: wa delela inkosi nompristi ngolaka lwake olukulu.

7 iNkosi i lahlile ilati layo, ya nengwa indawo yayo engewele: ya nikela esandhleni sezita izindouga zezindhlunkulu: za xokozela endhlini ka Jehova njenga ngosuku lomhlangano.

8 uJehova wa ti u za kubidhliza udonga lwentombi ya seZioni. Welula intambo; ka buyisanga isandhla sake ekuciteni. Wenza ukuba ku kale inqaba nodonga; za lila kanye.

9 Amasango alo a tyonile emhlabeni; wa cita imivalo yalo, wa yapula: inkosi yalo nezinkulu zalo zi sezizweni; a ku seko umteto; abaprofeti balo a ba fumani isiboniso sika Jehova.

10 Amalunga entombi ya seZioni a hlezi pansi, a tule, a ponsa utuli emakanda, a faka indwangu yamasaka. Izintombi za seJerusalem zi ya kotama pansi ngamakanda azo.

11 Amehlo ami a pela izinyembezi, izibilini zami za xapazela, isibindi sami sa palala pansi, ngokuciteka kwentombi yabantu bami, ngokuba abantwana nezingane ba pela amandhla ezitalatini zomuzi.

12 Ba ti konina, A pi amabele newaini? nxa be pela amandhla njengababulewe ezitalatini zomuzi, nxa be tululela imipefumlo yabo ezifubeni zonina.

13 Ngi nga ku fakazelani na? ngi nga ku fanisa nani wena ntombi ya seJerusalem? ngi nga ku linganisa nani, ukuba ngi ku duduze, ntombi ya seZioni? ngokuba ukwapuka kwako ku ngangolwandhle, u nga sindiswa ubani?

14 Abaprofeti bako ba ku tyela amacebo, nobuula; a ba kwambulanga ukona kwako, ukuba u nga tunjwa;

kepa ba ku tyela imitwalo yamanga nokuxotywa.

15 Bonke abadhululayo ba tyaya ihlombe ngawe; ba hlaba amakwelo, ba nkina amakanda abo ngentombi ya seJerusalem, be ti, Imballo uwo lo umuzi, okwa tyiwo ngawo ukuti, U pelele ngobuhle, u ukutokoza kwezwe lonke.

16 Izita zonke zako za ku kamisela umlomo, za hlaba amakwelo, za gedhla amazinyo; za ti, Si dhlile: impela lolu lu usuku esi lu bhekileyo; se si fumene, si bonile.

17 uJehova wenza a be ku cebile: wa feza izwi lake a be li tyilo ngezinsuku zendulo: wa bidhliza, e nga haukelanga: wa tokozisa isita ngawe; wa pakamisa upondo labakuzondayo.

18 Izinhliziyi zabo za kala eNkosini; Ludonga lwentombi ya seZioni, ma kwehle izinyembezi njengomfula emini na sebusuku, u nga pumuli, a ku nga nqamuki inhlamvu yeso lako.

19 Suka, u kale ebusuku, ekuqaleni kokulinda; tulula inhliziyi njengamanzi pambi kobuso benkosi: pakamisa izandhla zako kuyo ngenxa yokupila kwabantwana bako abancinyane, abapelamandhla ekuqaleni kwezitilati zonke.

20 Bheka, Jehova, u bone! wenzile loku kubani na? Abafazi ba ya kudhla ini inzalo yabo, abantwana aba ba singatayo? abapristi nabaprofeti ba ya kubulawa ini endaweni engeweke yeNkosi.

21 Abatya nabadala ba be lele pansizitalatini. Izintombi zami nezinsizwa zami za wa ngenkamba; u bulele ngosuku lolaka lwako; u bulele u nga haukelanga.

22 Wa biza, ku nga ti usuku lomhlangano, okungesabisayo inxa zonke: ngosuku lolaka luka Jehova a kwa ba ko osindileyo noseleyo: labo engi ba singatileyo nga bondhla, isita sa ba bulala.

### ISAHLUKO 3.

**N**GI ngumuntu owa bona usizi ngenntonga yolaka lwake.

2 Wa ngi hola wa ngi yisa ebunmyameni, ka ngi yisanga ekukanyeni.

3 Impela wa ngi pendulela isandhla sake futifuti usuku lonke.

4 Wa gugisa inyama yami nesikumba sami, wapula amatambo ami.

5 Wa ngakela, wa ngi haqa ngenyongo nenkatazo.

6 Wa ngi hlalisa ezindaweni ezimnyama, njengabafileyo bendulo.

7 Wa ngi biyela ukuba ngi nga pumi, wa lenza li be nzima iketango lami.

8 Nanxa ngi kala, nga memeza, wa vimbela ukukuleka kwami.

9 Wa biya izindhlela zami ngamatye abaziweyo, wa zenza za nsongensonge izindhlela zami.

10 Wa u ibere eli lalela kimi, ingonyama e qapelayo.

11 Wa ngi pambukisa, wa ngi hxebula, wa ngi cita.

12 Wa goba umcibityolo wake, wa ngi misela umcibityolo.

13 Wa ngi hlaba ngemicibityolo yake ezinsweni zami.

14 Nga ba igidigidi kubantu bonke bami, nengoma yabo usuku lonke.

15 Wa ngi sutisa ngokubabayo, wa ngi dakisa ngomhlonjane.

16 Wapula amazinyo ami ngamatyana, wa ngembesa ngomlota.

17 Wa xotywa umpfumlo wami ekutuleni: nga kohlwahlanhla.

18 Kona nga ti, Ukukolwa kwami nokwetemba kwami ku nqamukile kuJehova.

19 Kumbula ukuhlupeka kwami, nokweduka kwami, umhlonjane nenyongo.

20 Impela u ya kukumbula ukuti umpfumlo wami u tobile pakati kwamimi.

21 Ngi ya kubeka loku enhliziyweni yami, ngako ngi yetemba.

22 Ku ngomusa kaJehova ukuba si nga bujiswa; ngokuba ubunene bake a bu nqamuki:

23 Butya kusasa imihla ngemihla; ku kulu ukuqinisa kwako.

24 uJehova u isabelo sami, u tyo umpfumlo wami; ngako ngi ya kwetemba kuye.

25 uJehova u lungile kwabamlindayo, kumpefumlo o mi funayo.

26 Kuhle ukwetemba nokuhlalela ukusindisa kuka Jehova ngokutula.

27 Ku lungile kumuntu ukuba a twale ijokwe e se mutya.

28 U ya hlala yedwa, e tule, ngokuba u m etwesile lona:

29 U ya beka umlomo wake otulini, ku nga ti ku kona itemba.

30 U ya nikela isihlati sake ko m tyayayo; u gewele ukujlvazwa.

31 Ngokuba inkosi a i yi kulahla ku ze ku be pakade.

32 Ngokuba, noma i veza usizi, i ya haukela ngomusa wayo omkulu.

33 Ngokuba ka ba hlupi, ka ba dabuli abantwana babantu ngenhliziyo.

34 Ukunyatela pansi kwezinyawo izibotywa zonke zezwe,

35 Ukupambukisa icala lomuntu pambi kobuso bOpezulu,

36 Ukwanuka umuntu ecaleni lake, a ku tandeki eNkosini.

37 Ubani lowo owa tyoyo, kwenziwa, i nga yalanga inkosi?

38 A ku pumi ini okubi nokuhle emlo-nyeni wOpezulu?

39 Ba soledani abantu abapilayo, ilowo ngezono zake?

40 A si hlole, si linge ukuhamba kwe-  
tu, si buyele kuJehova.

41 A si pakamisele izinhliziyu zetu kanye nezandhla kuTixo o sezulwini.

42 Tina sonile, sa hlubuka; wena a u tetelelanga.

43 Wa zambesa ngolaka, wa si xotya, wa bulala, u nga haukelanga.

44 Wa zambesa ngamafu, ukuba ku nga dhluli ukukuleka.

45 Wa senza si be izibi, nensila ezi-  
zweni.

46 Izita zonke zetu za si kamisela umlomo.

47 Shlelwa uvalo negebe, nokuciteka, nokubujiswa.

48 Iso lami li yehlisa imifula yama-  
nzi ngokubujiswa kwentombi yabantu bami.

49 Iso lami li ya dhluzwa, li nga pezi, a ku ko ukunqamuka,

50 E nga ka kangeli, a bheke uJehova wa sezulwini.

51 Iso lami li ya ngenzela ubuhlungu ngezintombi zonke zomuzi wami.

52 Izita zami za ngi zingela impela, ku nga ti ngi inyoni, ngi nge nacala.

53 Za nqamula ukupila kwami emgo-  
dini, za ponsa itye pezu kwami.

54 Amanzi ehlela ekanda lami; nga ti, Ngi nqunyiwe.

55 Nga kuleka egameni lako, Jehova, ngi semgodini pansi.

56 Wezwa izwi lami: ma u nga tu-  
kusi indhlebe yako lapo ngi kulekela ukupunyuzwa.

57 Wa sondela mhla nga kuleka ku-  
we: wa ti, U ngesabi.

58 Nkosi, wa ngi mela emacaleni, wa hlenga ukupila kwami.

59 Jehova, u bonile ukoniwa kwami; teta icala lami.

60 U bonile ukupindisa konke kwabo, amacebo onke abo ngami.

61 U zwile ukujivaza kwabo, Jehova, amacebo onke abo ngami;

62 Iziindebe zabangivukelayo, nokuzi-  
ndhla kwabo ngami usuku lonke.

63 Bheka ukuhlala kwabo nokusuka kwabo, ngi isiga sabo.

64 Ba vuze, Jehova, njengemisebenzi yezandhla zabo.

65 Ba nike ubulukuni benhliziyo, uku-  
tuka kwako ku be pezu kwabo.

66 Ba xotye ngolaka, u ba bubise, ba nga be be sa ba ko pansi kwezulu lika Jehova.

#### ISAHLUKO 4.

**Y**EKA, ku fipele igolide! igolide eli-  
hle li pendukile! amatye a ngewe-  
le a citiwe ekuqaleni kwezitalati zonke.

2 Amadodana amahle a seZioni, a li-  
nganiseka negolide elihle; yeka, ku tiwa a izitya zebumba, umsebenzi weza-  
ndhla zombumbi.

3 Namankentyane a nikela ibele, anyisa amazinyane awo: intombi yaba-  
ntu bami ya ba nonya, ujengezintye za sehlane.

4 Ulimi lwengaue e nelayo lwa namatela emalakeni ayo ngokoma: aban-  
twana ba cela isinkwa, kepa kwa ku nge ko o ba hlepulelayo.

5 Labo aba be dhla okumnandi ba fa ezitalatini: aba be singatwa ngokubomvu ba hlala ezibini.

6 Ngokuba icala lentombi yabantu bami li kulu ku nesono sa seSodoma, ela citwa ngokupazima kweso, li ngehlelwa nasandhla.

7 Izikulu zalo za zi ewebile ku neqwa, za zi mhlope ku nobisi, za zi bomvu ku namakorali ngomzimba; isimo sazo sa si isafire.

8 Ukuma kwazo kwa ba mnyama ku nobumnyama; za zi ngaziwa ezitalatini: isikumba sazo sa namatela ematanjeni azo, sama njengoti.

9 Kwa neono kwababulewe ngenkamba ku na kwababulewe ngendhlala: ngokuba laba ba ya pela, be hlatyiwe, be nge nakudhla kwensimu.

10 Izandhla zabafazi abamnene za peka abantwana babo; ba ba ukudhla kwabo ekucitekeni kwentombi yabantu bami.

11 uJehova wa feza ulaka lwake, wa tulula ukutukutela kwake okukulu; wa pamba umlilo eZioni, wa qeda izisekelo zalo.

12 Amakosi omhlaba ka kolwanga, nabantu bonke bezwe, ukuti, ku za kungena impi nezita emasangweni eJerusalem.

13 Ngezono zabaprofeti, na ngamacala abapristi, aba cita igazi labalungileyo pakati kwalo.

14 Ba dengezela njengezimpumpute ezitalatini, be ngcolile ngegazi, zi nge nakupatwa izingubo zabo.

15 Kwa menyezwa kubo, ku tiwa, Sukani; ni ngcolile; sukani, sukani, ni nga namati: lapo be baleka ba dengezela; kwa tiwa kwabezizwe, A ba sa yi kuhlala kona.

16 Ulaka luka Jehova lwa ba hlakaza; ka sa yi kubabheka; abantu ka ba hlonipanga abapristi, ka ba tusanga amalunganga;

17 Tina, amehlo etu a pela, si sa bhaka ukusiza oku ize: ekulindeni kwetu sa linda isizwe esi nge nakusisiudisa.

18 Ba qapela izinyawo zetu, ukuba si nga yi ezitalatini zetu: ukupela kwetu kwa ku sondela, izinsuku zetu za pelela; yebo, ukupela kwetu kwa ku fikile.

19 Aba si xotyayo ba be namajubane ku nezinkozi za sezulwini: ba si xotyazintabeni, ba si lalela ehlane.

20 Umoya wamakala etu, ogcotyiweyo ka Jehova, wa banjwa emagebeni abo, e be si ti ngaye, Si ya kupila emtunzini wake ezizweni.

21 Tokoza, u jabule ntombi ya seEdomi eyakileyo ezweni la seUze; indebe i ya kudhlulela na kuwe; u ya kudakwa, u zenze bunqunu.

22 Ku pelile ububi bako, ntombi ya seZioni; ka yi kupinda, a ku tumbela. U ya kubheka ububi bako ntombi ya seEdomi; u ya kwambulula izono zako.

#### ISAHLUKO 5.

**K**UMBULA, Jehova, esehllelwe iko; bhaka, u bone ihlazo letu.

2 Izwi letu se li ngelabantu bolunye

uhlanga, nezindhlu zetu zi ngezabezizwe.

3 Si izintandane, a si nababa; omame ba ngabafelokazi.

4 Amanzi etu si wa puzlle ngemali; izinkuni zetu si zi tenga.

5 Sa xotywa, be sezintanyeni zetu, sa zama, si nge nakupumula.

6 Selulele isandhla ngasEgipite, na ngaseAsiria, ukuba si sutiswe ngesinkwa.

7 Obaba betu bona: a ba se ko; si twele izono zabo.

8 Izigqili zi si busile; kwa ku nge ko o si kululu esandhleni sabo.

9 Sa tola ukudhla kwetu ngemipefumlo yetu, ngenxa yenkamba ya sehlane.

10 Isikumba setu sa tya njengeziko, ngokutyisa kwendhlala.

11 Ba bona abafazi eZioni, nezintombi emizini ya kwaJuda.

12 Kwa panyekwa izikulu ngezandhla: ka hlonitywanga amalunganga.

13 Izinsizwa za twala amatye okugaya; abantwana ba kubeka pansi kwezinkuni.

14 Amalunga a shiyile isango, nezinsizwa ugubu.

15 Ku nqamukile ukutokoza kwenhliziyoyetu; ukusina kwetu ku pendukile ukulila.

16 Ku wile umqele ekanda: Nako kitina, ngokuba sonile.

17 Ngaloku inhliziyoyi pela amandhla; ngaloku amehlo etu a fipele.

18 Intaba yeZioni, e citekileyo, izimpungutye zi hamba pezu kwayo.

19 Kapa wena, Jehova, u ma pakade; isihlalo sako si kona izizukulwane ngezizukulwane.

20 U si kohlwa ngani njalonjalo, u si lahle isikati eside na?

21 Si buyisele kuwe, Jehova, se si ya kubuya; yenza zi be zintya izinsuku zetu njenga sendulo;

22 Uma u nga si lahlele impela, u si tukutelela kakulu.

# INCWADI KA HEZEKELI.

## ISAHLUKO 1.

**K**WA ti ngomnyaka wamashumi amathatu, ngenyanga yesine, ngosuku lwesihlanu lwenyanga, se ngi pakati ekutunjweni ngasemfuleni uKebari; izulu la li vuleka, nga bona izibonakaliso zika Tixo.

2 Ngosuku lwesihlanu lwenyanga, kwa ku ngumnyaka wesihlanu woku-tunjwa kuka Jehoyakina inkosi.

3 Izwi lika Jehova la ba kona belu kuHezekeli indodana ka Buzi umte-teleli, ezweni labaKaldea ngasemfuleni uKebari; sa ti isandhla sika Jehova sa ba pezu kwake lapo.

4 Nga se ngi bheka, bhekake, isivunguvungu sa fika si vele enyakato, si ifu elikulu, li nomlilo ozibambelelayo, nokukazimula kwa be ku li haqa; na kuko pakati kwa vela njengokukanya kwetusi, ku vele emlilweni.

5 Na pakati kwako kwa vela umfanekiso wezidalwa ezine; kwa ti ilesi isimo kuzo; za zi nomfanekiso womuntu.

6 Ilesi sa si nobuso obune, nalesi sa si namapiko amaue.

7 Izinyawo zazo za zi unyawo oluqondayo, sa ti isiqu sezinyawo zazo sa si njengesiqu sonyawo lwetole; za zi kazimla njengokukanya kwetusi elipuziweyo.

8 Za zi nezandhla zomuntu pansi kwamapiko azo ezihlangotini ezine zazo; kwa ku kona ubuso namapiko kuzo lezo ezine.

9 Amapiko a hlanganiswa elinye kwelinye; a zi cezukanga ekuyeni kwazo; za ya ileso ngokuqonda kobuso baso.

10 Kwa ti ngomfanekiso wobuso bazo, lezozine za zi nobuso bomuntu, nobuso bengonyama ngesokunene; lezozine za zi nobuso benkomo ngesokohlo; lezozine za zi nobuso benqe.

11 Kwa ku njalo ubuso bazo: namapiko azo anekwa ngapezulu; amabili a hlanguka a wesinye kuwo a wesinye; namabili a sibekela umzimba wazo.

12 Za ti za ya ilesi ngokuqonda kobuso baso; za ya lapo umoya wa be u ya ku ya kona; a zi pendukanga ekuyeni kwazo.

13 Kwa ti ngomfanekiso wezidalwa,

isimo sazo sa si njengamalahlile onlilo avutayo, njengokubonakala kwesibani; kwa zihambela pakati kwezidalwa; wa ti umlilo wa ba nokukanya, kwa puma monyazi kuwo umlilo.

14 Za ti izidalwa za gijima za buya njengokubonakala konyazi.

15 Lapo nga bona izidalwa bhekake isondo elinye emhlabatini ngasezidalweni, li kubo ubuso obune baso.

16 Ukubonakala kwamasondo nomsebenzi wawo, kwa ku njengokukazimula kwetopazi; kwa ti umfanekiso omunye u be kuwo lawamane; ukubonakala kwawo, nomsebenzi wawo kwa ku njengesondo pakati kwesondo.

17 Ekuyeni kwawo a ya ngezinhlangoti ezine zawo; a ka cezukanga ekuyeni kwawo.

18 A be namabande awo, nokupakama, a be e sabeka; a ti amabande awo a gwala amehlo a haqa lawamane.

19 Kwa ti ekuyeni kwezidalwa amasondo a hamba nga kuzo; nasekupakanyisweni kwezidalwa pezu komhlabati, amasondo a pakanyiswa.

20 Lapo umoya wa be u ya kuya kona, a ya kona, nalapo umoya wa be u ya kuya kona; a ti amasondo a pakanyiswa kanye nazo; ngokuba umoya wesidalwa u be u semasondweni.

21 Ekuyeni kwazo a ya wona; ekumeni kwazo, e ma; nasekupakanyisweni kwazo pezu komhlabati, amasondo a pakanyiswa kanye nazo: ngokuba umoya wezidalwa u be u semasondweni.

22 Kwa ti pezu kwamakanda esidalwa kwa ku kona isimo e si umkati wezulu, njengokubonakala kwekrustali elisabekayo, lenekwa pezu kwamakanda azo ngapezulu.

23 Na nga pansi komkati a be kona amapiko aqondileyo, elinye li kulo elinye; ku yileso a be kona amabili a zi sibekelayo, na ku leso a be kona amabili a zi sibekelayo, ukuti imizimba yazo.

24 Nga se ngi zwa inhlokomo yamapiko azo ekuyeni kwazo, njengenhlokomo yamanzi amaningi, njengezwi lika Somandhla, izwi lokukuluma, njengezwi lebandhla; ekumeni kwazo amapiko azo ehliswa.

25 La ti la ba kona izwi li pume emkati ni wezulu o be u pezu kwamakanda azo, lapo za zi se mi, zehlisile amapiko azo.

26 Kwa ti nga pezu komkati o be u pezu kwamakanda azo, kwa ku kona umfanekiso wesihlalo sobukosi njengokubonakala kwetye eli isafire: na pezu komfanekiso wesihlalo sobukosi, umfanekiso njengesimo somuntu pezu kwalo ngapezulu.

27 Nga se ngi bona njengokukanya kwetusi, njengokubonakala komlilo ohaqayo ngapakati, ku qale ekubonakaleni kokalo lwaso kwangapezulu, ku qale nasekubonakaleni kokalo lwaso kwa ngapansi; nga ngi bona njengokubonakala komlilo, kwa ku kona nokukazimula okuhaqayo kuso.

28 Njengokubonakala kotingo o lu sefwini ngosuku lwemvula, kwa ku njalo ukubonakala kokukazimula okuhaqayo. Yiloku ukubonakala komfanekiso wokukazimula kuka Jehova. Nga bona mina, nga wa ngobuso bami, ngezwa izwi lokulumayo.

#### ISAHLUKO 2.

**W**A se e ti kimi, Ndadana yomuntu, yima ezinyaweni zako, ngi ya kukuluma nawe.

2 Wa ti umoya we za pakati kwami, lapo wa kuluma kimi, wa ngi misa ezinyaweni zami, nga mu zwa yena o wa kuluma kimi.

3 Wa ti kimi, Ndadana yomuntu, ngi ya kutuma kubo abantwana ba se-Israeli, kuso isizwe esihlubukayo esi hlubukile kimi: bona noyise babo ba pambukile kimi, ku ze ku be ilona lolusuku.

4 Ngokuba ba ngabantwana abalukuni ngobuso aba nqala ngenhliziyo. Ngi ya kutuma kubona; wena u za ku ti kubo, Njalo i tyo iNkosi uJehova.

5 Ku ya kuti bona, noma bezwa, noma be yeka, (ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona,) bazi impela ukuba umazisi u be kona pakati kwabo.

6 Wena Ndadana yomuntu u nga besabi, u nga wesabi namazwi abo, nokuba be ngabahlubukayo nameva kuwe, nokuba u hlezi wena pakati kofezela; u nga wesabe amazwi abo, u ngetuki ngobuso babo, nokuba ba yindhlu epambeneyo.

7 Wo kuluma amazwi ami kubona, noma bezwa, noma be yeka; ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona.

8 Kepa, wena Ndadana yomuntu, yizwa loku e ngi ku kuluma kuwe; u nga bi opambayo njenga lendhlu epambeneyo: kamisa umlomo wako u dhle loku e ngi ku nikayo.

9 Nga se ngi bona, bhekake, isandhla sa tunywa kimi; bhekake, pakati kwaso isongo lenewadi;

10 Wa ti wa yeneka pambi kwami; ya lotywa yona ngapambili nangasemva: kwa lotywa kuyo izililo, nokububula, nosizi.

#### ISAHLUKO 3.

**L**APO wa ti kimi, Ndadana yomuntu, yidhla loku o ya ku ku fumana; yidhla leli songo, yiya wena u kulume kuyo indhlu ya seIsraeli.

2 Nga se ngi kamisa umlomo wami, wa ngi dhliisa isongo lelo.

3 Wa buya, wa ti kimi; Ndadana yomuntu, yenza isisu sako si dhle, namatumbu ako o gewala lelisongo e ngi ku nike lona. Lapo nga li dhla; la ti la ba njengezinyosi ngobummandi emlonyeni wami.

4 Wa se e ti kimi, Ndadana yomuntu, hamba u ye kuyo indhlu ya seIsraeli, u kulume ngamazwi ami kubo.

5 Ngokuba u a tunywa wena kubantu a bezindebe ezingahlolekiyo, na bolimi olukuni, kepa kuyo indhlu ya se-Israeli.

6 Ku nga bi kubantu abaningi a bezindebe ezingahlolekiyo na bolimi olukuni, a bamazwi abo u nge wezwe; imela uma nga be ngi ku tumile ku bona, nga be be lalele kuwe.

7 Kepa indhlu ya seIsraeli a i yi ku vuma ukulalela kuwe; ngokuba a i vumi ukulalela kimi: ngokuba bonke a bendhlu ya seIsraeli ba nqala ngebunzi, ba lukuni ngenhliziyo.

8 Bheka ngenzile ubuso bako bu be nqala nga kubo ubuso babo, nebunzi lako li be nqala nga kulo ibunzi labo.

9 Njengetye iadamanti, ku nqala ku netye lomlilo ngenzile ibunzi lako; u nga besabi, u ngetuki ngobuso babo, ngokuba ba yindhlu epambeneyo.

10 Wa buya wa ti kimi, Ndadana yomuntu, onke amazwi e ngi ya ku wa kuluma kuwe, wamkele wona enhliziyweni yako, u wezwe ngezindhlebe zako.

11 Futi hamba u ye kubo abatujiwa, kubo abantwana babantu bakwenu, u kulume kubona; u tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; noma be zwa, noma be ngezwa.

12 Lapo uMoya wa ngi pakamisa, wa ti ngezwa emva kwami inhlokomo yokuzamazisa okukulu, ya ti, Ku busisiwe ukukazimula kuka Jehova u lendawo.

13 Nenhlokomo yamapiko ezidalwa e za namata esinye esinye, nenhlokomo yamazondo nga ku zona, nenhlokomo yokuzamazisa okukulu.

14 Lapo uMoya wa ngi pakamisa, wa ngi hola, nga ti nga ya ngi nyukumala ekuvuteni komoya wami; kepa isandhla sika Jehova sa ba namandhla pezu kwani.

15 Nga se ngi za kuzo izitunjwa eTelabibi, bona a ba hlezi nga semfuleni uKebari, na lapo ba hlala kona nga hlala kona nami izinsuku ezi isikombisa pakati kwabo ngi dumala.

16 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi isikombisa, la ba kona izwi lika Jehova kimi, li ti,

17 Ndodana yomuntu, ngi kwenzile u be umlindi kuyo indhlu ya seIsraeli; ngako wo li zwa izwi emlonjeni wami, u ba yalele mina.

18 Nxa ngi tyo komubi, ukuti, Wo fa ngokufa; kodwa a u m yalanga, a u kulunganga ukuyala omubi a suke endheleni embi yake a ze a pile; lo omubi u ya kufa ekupambekeni kwake; kepa igazi lake ngo li biza esandhleni sako.

19 Kanti wena uma u m yalile omubi, kodwa a ka penduki kubo ububi bake, na kuyo indhlela embi yake, yena u ya kufa ekupambekeni kwake; kepa wena u sindisile umpefumlo wako.

20 Na lapo olungileyo e buya kuko ukulunga kwake, enze kabi, nxa ngi be- kile isikubekiso pambi kwake, u ya kufa yena; ngokuba wena a u m yalanga, wo fa esonweni sake, futi okulungileyo kwake a kwenzileyo a ku yi ku kunjulwa; kepa igazi lake ngo li biza esandhleni sako.

21 Kanti wena uma u yalile olungileyo ukuba a ngoni naye a ngoni, u ya kupila belu, ngokuba u yaliwe; nawe u sindisile umpefumlo wako.

22 Kwa ti kwa ba pezu kwami lapo isandhla sika Jehova; wa se e ti kimi, Suka u ye etafeni, na lapo ngo kuluma nawe.

23 Lapo nga suka, nga ya etafeni; bhakeke, lapo kwema kona ukukazimula kuka Jehova, njengokukazimula e ngi ku bonileyo ngasemfuleni uKebari; nga ti nga wa ngobuso bani.

24 Lapo uMoya wa ngena pakati kwa-

mi, wa ngi misa ezinyaweni zami, wa kuluma nami, wa tyo kimi ukuti; Yiya u zivalele endhlini yako.

25 Kepa wena, Ndodana yomuntu bhaka, ba ya kufaka izibopo pezu kwako, ba ku bope ngazo, ko ti u nga pume- li pakati kwabo.

26 Ng'i ya kuti ngenze ulimi lwako lu namatele kulo ulwanga lwako, ko ti u tule, a nga biko kubo umuntu oyalayo; ngokuba ba yindhlu epambeneyo bona.

27 Kepa nxa ngi kuluma nawe, ngo kamisa umlomo wako; wena u ya ku- tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, ngokuba ba indhlu epambe- neyo bona.

#### ISAHLUKO 4.

**F**UTI wena, Ndodana yomuntu, taba- ta kuwe isitini, u si beke pambi kwako, u lobe pezu kwase umuzi, o ti- wa iJerusalema.

2 Wo wu vimbezela, wake nga kuwo inqaba, u qonge udonga, u beke nga ku- wo amabandhla, u beke nga kuwo nga- pambili izingama zokubeta.

3 Futi tabata wena kuwe ipani lensimbi, u li beke li be udonga lwensimbi ngapakati kwako nomuzi; wo beka ubu- so bako nga kuwo, wo ba nokuvimbeze- lwa wona, wena wo wu vimbezela; loku ku isiboniso kuyo indhlu ya seIsra- eli.

4 Futi ma u lale ngohlangoti lwako lobunxele, u beke ukupambeka kwe- ndhlu ya seIsraeli pezu kwalo; njengo- kubalwa kwezinsuku o ya kulala ngazo kulo, wo pata ukona kwabo.

5 Ngokuba se ngi fakile pezu kwako iminyaka yokupambeka kwabo, njengo- kubalwa kwezinsuku, izinsuku ezinga- makulu amatatu namashumi ashiyaga- lolunye; njalo wo pata ukupambeka kwendhlu ya seIsraeli.

6 Ko tise u zi qedile zona, u lale o kwe- sibili ngohlangoti lwako lokunene, u pate ukupambeka kwendhlu ya seJuda izi- nsuku ezingamashumi amane; ngi be- kile pezu kwako usuku lu be ngo- mnyaka.

7 Futi wo beka ubuso bako nga kuko ukuvimbezela kweJerusalema, ko ti ku zibukulwe ingalo yako, wazise nga kulo.

8 Bhakeke, ngo beka izibopo pezu kwako, futi a u yi ku penduka ehlango- tini ngohlangoti, u ze u qede izinsuku zokuvimbezela kwako.

9 Futi tabata kuwe ukolweni nebale, nobontyisi, nezimbumba, namabele, nespelta, u wa beke esityeni si be sinye, u zenzele isinkwa ngawo, ngokokubala kwezinsuku o lala ngazo ngohlangoti, izinsuku ezingamakulu amatatu namashumi ashiyagalolunye wo dhla ngaso.

10 Ko ti ukudhla kwako o ya ku ku dhla ku be ngesilinganiso, amashekeli amashumi amabili ngosuku; wo ku dhla ngesikati na ngesikati.

11 Namanzi wo wa puza ngesilinganiso, inxenye yesitupa yehini; ngezikati na ngezikati wo puza.

12 Wo si dhla njengesinkwa sebale, u si peke emehlweni abo, ngendhle eli puma kumuntu.

13 Wa buya wa ti uJehova, Ku njalo abantwana ba seIsraeli ba ya ku si dhla isinkwa sabo esingcolileyo pakati kwezizwe, lapo ngi ba kapezela kona.

14 Nga se ngi ti, Au Nkosi Jehova! bheka, umpfumlo wami a u zanga u ngcoliswe; kwa sebutyeni bami nakaloku a ngi dhlanga ingeuba, nenyama ehebuliweyo; nenyama enukayo a i ngenanga emlonyeni wami.

15 Lapo wa ti kimi, Bheka, se ngi nikile umquba esikundhleni sendhle lomuntu, wo ti u lungise isinkwa sako ngawo.

16 Wa buya wa ti kimi, Ndodana yomuntu, bheka, mina ngo nqamula uqobo lokudhla eJerusalema; ba ya kuti ba dhle isinkwa ngesilinganiso, ngokukatala ba puze amanzi ngesilinganiso ngokudumala.

17 Ba ze ba swele ukudhla, namanzi, ba dumale umuntu nomuntu, ba zace czipambekweni zabo.

### ISAHLUKO 5.

**F**UTI wena Ndodana yomuntu, tabata kuwe umese obukali, insingo yabagundayo wo yi tabata kuwe, u yi yise pezu kwekanda lako, na pezu kwezindevu zako; wo tabata kuwe isilinganiso u zahlukanise.

2 Wo tyisa inxenye yesitatu ngomlilo pakati komuzi, lapo izinsuku zokuvimbezela zi pelile; wo tabata nenxenye yesitatu, u yi tyaye ngomese ekuzungenzi; nenxenye yesitatu wo yi hlakaza emoyeni, futi ngo koka inkemba emva kwazo.

3 Wo tabata nengcozana ku zona, u zi bope engutyeni yako.

4 Futi wo tabata ku zona, u zi ponse

pakati komlilo, u zi tyise emlilweni, ngokuba umlilo wo puma kuzo endhlini yonke ya seIsraeli;

5 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Iloku iJerusalema; ngi li bekile pakati kwezizwe, namazwe a li haqayo.

6 Lona li pendulile ukwahlulela kwami ebubini ku nezizwe, nemiteto yami ku namazwe a li haqayo; ngokuba zona zalile ukwahlulela kwami, nemiteto yami a zi hambanga ku yona.

7 Ngako, njalo i tyo iNkosi uJehova; ngenxa yenzokozelo yenu ku nezizwe ezi ni haqayo, a ni hambanga emitetweni yami, nokwahlulela kwami a ni kwenzanga, a nenzanga nanjengokwahlulela kwezizwe e zi ni haqayo.

8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, ngi pambene nawe, ehe mina! ngi ya kuti ngenze ukwahlulela pakati kwako ekuboneni kwezizwe.

9 Ngenze na kuwe loku e ngi nga kwenzanga, naloku e ngi nga yi ku kwenza njengako futi, ngenxa ya ko konke ukwenza okunengekayo kwako.

10 Ngako oyise ba ya kudhla abantwana pakati kwako, nabantwana ba ya kudhla oyise; ngi ya kuti ngenze ukwahlulela kuwe, nensalo yonke yenu ngo yi hlakaza emimoyeni yonke.

11 Ngako i tyo iNkosi uJehova, ukuba kona kwami! Impela, ngokuba u ngcolisile okuyingewele kwami ngokutuneka konke kwako, nangokunengeka konke kwako, nga loku ngo ku ncipisa; iso lami a li yi ku dabuka, futi a ngi yi ku haukela.

12 Inxenye yesitatu yako yo fa ngesifo, na ngendhlala ba ya kuqeda pakati kwako: nenxenye yesitatu i ya kuwa ngenkamba ngasekuzungezweni kwako; ngo ti ngi hlakaze inxenye yesitatu emimoyeni yonke, ngi koke inkemba emva kwabo.

13 Njalo ulaka lwami lu ya kufezwa, ngi hlalise intukutelo yami pezu kwabo, ngi tokoziswe; ba ya kuti bazi ukuba mina Jehova ngi kulumile ngomona wami, nxa ngi fezile intukutelo yami pezu kwabo.

14 Futi ngi ya kukwenza u be incitakalo, nehlozo pakati kwezizwe e zi ku haqayo emehlweni abo bonke aba dhlulayo.

15 Ko ti ku be ihlazo nensolo, nesiboniso, nomangaliso kuzo izizwe ezi ku haqayo, nxa ngenzile pakati kwako ukwahlulela ngolaka, na ngentukutelo, na



ngokukuza kwentukutelo; Mina Jehova se ngi ku tyilo.

16 Nxa ngi tumile pezu kwabo imisebe emibi yendhlala, e ya kuba ukucita kwabo, e ngi ya ku yi tuma ukucita; ngo ti ngi kulise indhlala pezu kwenu, ngi nqamule uqobo lwenu lokudhla.

17 Ngo tuma pezu kwenu indhlala, nezilo ezibi, zi ya kwenza u felwe abantwana; nesifo negazi li ya kudhlulela pakati kwako; ngi ya kuzisa nenkemba pezu kwako. Mina Jehova ngi ku tyilo.

ISAHLUKO 6.

**K**WA se ku fika izwi lika Jehova kimi, li ti.

2 Ndadana yomuntu, bhekisa ubuso bako kuzo izintaba za seIsraeli, wazise nga kuzo.

3 U tyo, ukuti, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi leNkosi uJehova. Njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo izintaba, na kuzo izintabana, na kuzo izihlamba, na kuzo izigodi; Bheka, ngo zisa pezu kwenu inkemba, ngi sabalalise izako zenu zokukuleka ezindaweni ezipakamileyo.

4 Amalati enu a zo citwa, nemifanekiso yenu yelanga yo fehlezwa; ngo wisa abahlatyiweyo benu pambi kwezitombe zenu.

5 Ngo beka izidumbu zabantwana ba seIsraeli pambi kwezitombe zabo, ngi hlakaze amatuna enu ekuzungezeni nga pambi kwamalati enu.

6 Ezinhlalweni zenu zonke imizi yo citakaliswa, nezako zokukuleka ezindaweni ezipakamileyo zo sabalaliswa; ukuze amalati enu a citakale a pute, nezitombe zenu zi fehlezwe zi pele, nemifanekiso yenu yelanga i nqunywe, nemisebenzi yenu i hlanguwle.

7 Ko ti abahlatyiweyo ba we pakati kwenu, nazi ukuba, ngi nguJehova.

8 Kepa ngo shiya ba be kona kini aba pepa inkemba pakati kwezizwe, ekuhlakazweni kwenu emazweni.

9 Ko ti abapepayo bakini ba ngi kumbule pakati kwezizwe lapo ba ya kuntjelwa kona; e ngi dabukiswa inhliziyo yabo epingayo, e hlubukile kimi, namehlo abo a pinga nezitombe zabo; futi ba ya kuzidelela ngeuxa yokubi a ba kwenzileyo ngokunengeka konke kwabo.

10 Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova, a ngi tyongo ngeze, ukuti, ngo kwenza ku bona lokokubi.

11 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Tyaya ngesandhla sako, u gqume ngonyawo lwako, u tyo, Au kuko konke ukunengeka okubi kwendhlu ya seIsraeli! ngokuba ba ya kuwa ngenkemba, na ngendhlala na ngesifo.

12 Yena o katyane wo fa ngesifo, yena o seduze wo fa ngenkemba, yena o sele e vimbezalwe wo fa ngendhlala; njalo ngo feza intukutelo yami pezu kwabo.

13 Ko ti bazi ukuba ngi nguJehova, nxa abahlatyiweyo bako aba kona pakati kwezitombe zabo ekuzungezeni kwamalati azo pezu kwizintabana zonke ezipakamileyo, naseziqongeni zonke zezintaba, na nga pansi kwemiti yonke ehlumayo, na nga pansi kwamaterabinte onke ahlangeneyo, e indawo lapo ba nikela kona impepo emnandi kuzo zonke izitombe zabo.

14 Ngo ti ngelula isandhla sami pezu kwabo, ngenze izwe li be ukuciteka, nencitakalo ku nehlane eDiblati, ezinhlalweni zonke zabo; futi ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

ISAHLUKO 7.

**K**WA buya kwa fika kimi izwi lika Jehova, li ti.

2 Wenake, Ndadana yomuntu, njalo i tyo iNkosi uJehova kulo izwe la seIsraeli; ukugqiba se ku fikile, ukugqiba pezu kwamagumbe amane ezwe.

3 Kaloku ukugqiba ku pezu kwako, ngi ya kuti ngi tume ulaka lwami pezu kwako, ngi pindisele pezu kwako ukunengeka konke kwako.

4 Ko ti iso lami li nga ku dabukeli, ngi nga ku haukeli futi; ngokuba ngo pindisela izindhlela zako pezu kwako, nokunengeka kwako ko ba pakati kwako; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

5 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ukonakala, ukonakala, oku kodwa, bheka, se ku fikile.

6 Ukugqiba ku fikile, ku fikile ukugqiba, ku vukela wena; bheka se ku fikile.

7 Isoondo li ya sondela Wena o hlezi ezweni; se ku fikile isikati, lu seduze usuku lwevuso, ku nge siko ukwetaba ezintabeni.

8 Kaloku ngo tela intukutelo yami pezu kwako ngokuzumeka, ngi feze ulaka lwami pezu kwako; mina ngi ya kwahlula njengezindhlela zako; ngi

pindisele kuwe ngokwenza okunengekayo konke kwako.

9 Ko ti iso lami li nga ku dabukeli, ngi nga ku haukeli futi; ngo pindisela pezu kwako njengezindhlela zako, nokwenza kwako okunengekayo o ku kona pakati kwako; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova otyayayo.

10 Bheka usuku, bheka lu ye za; isondo li gqibile; intonga i milile, ukuzidhla ku kahlele.

11 Ukonakalisa se ku vukile ku ze ku be intonga yokubi; a ku yi ku sala ku bona, a ku yi ku sala nesixuku sabo, a ku yi ku sala nengebo yabo; a ku yi ku ba kona nokulilela bona.

12 Isikati se si fikile, usuku lu sondele; otengayo ma ka nga jabuli, notengisayo ma ka nga lili, ngokuba intukutelo i pezu kwesixuku sonke salo.

13 Ngokuba otengisayo a ka yi ku buyisela loku a ku tengiweyo, nokuba ba sa pila pakati kwabezwayo; ngokuba isibonakalo si kuso isixuku sonke salo, a si yi ku buya; futi a ka yi ku ziqinisa eububini bake namunye umuntu.

14 Ba kalisile ngetilongo ukulungisa konke, kepa akuko o ya ekulweni; ngokuba intukutelo yami i pezu kwesixuku sonke salo.

15 Inkemba i ngapandhle, isifo nendhlala ku pakati; yena o sendhle wo fa ngenkemba; yena o semzini, indhlala nesifo ku ya ku mu dhla.

16 Kodwa abasindayo babo ba ya kusinda, ba be ezintabeni njengamajuba emifunda, be kala ilowo nalowo ngezono zake.

17 Izandhla zonke zi ya kudangala, namadolo onke a ya kuguquka amanzi.

18 Ba ya kwambata izindwangu zoboya, futi ukututumala ko ba sibekela; ko ba kona izinhloni ebusweni bonke, nembandhla pezu kwamakanda onke.

19 Ba zo ponsa isiliva labo ezindhlehle, negolide labo lo ba ukunengeka; isiliva labo negolide labo a li yi ku ba namandhla uku ba sindisa ngomhla wolaka luka Jehova; a ba yi ku sutisa imipefumlo yabo, namatumbu abo a ba yi ku wa gewalisa: ngokuba ububi babo bu isikubekiso.

20 Ubuhle besivunulo sake wa bu beka ebukosini: kepa imifanekiso yokunengeka kwabo, i ti izinto ezingcolileyo zabo ba zenzile zona pakati kwabo; ngako ngi benzile bu be isiuengeko ku bona.

21 Ngi ya kuti ngi bu nike ezandhleni zabafo bu be isitunjwa, na kubo ababi bezwe bu be impango; ba bu ngcolise.

22 Ngo ti ngi fulatela ubuso bami ku bona, ba bu ngcolise indawo yami esitekileyo; ngokuba abapangi ba ya kungena ba yi ngcolise.

23 Yenza iketango; ngokuba izwe li gcewele amacala egazi, nomuzi u gwele ukonakalisa.

24 Ko ti ngi zise ababi bezizwe, ba bambe izindhlu zabo; Lapo ngi ya kwenzaba bu pele ubukosi baba namandhla; nezindawo zabo eziyingewele zo ngcoliswa.

25 Ukwetuka ku ye za, ba ti ba funisela ukuhlala kahle, ku ngeko kodwa.

26 Ukuwa ko fika nga pezu kokuwa, ko ba kona imbiko nga pezu kwembiko, lapo ba zo funa isibonakalo somazisi; kepa umteto wo m putela umazisi, nesiyalo abadala.

27 Inkosi yo nyukumala, namakosana a ya kwambatiswa ukucitakala, nezandhla zabantu bezwe zo tutumala; ngi ya kwenza ku bona njengendhlela yabo, na ngokwamacala abo ngo bahlulela; Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova.

## ISIAHLUKO 8.

**K**WA ti ngomnyaka wesitupa, ngenyanga yesitupa, ngolwesihlanu lwayo ngi sa hlala endhlini yami, nabadala ba seJuda be sa hlala pambi kwami, isandhla seNkosi uJehova sa wa lapo pezu kwami.

2 Lapo nga bona, bhekake, umfanekiso njengokubonakala komlilo; ku suke ekubonakaleni kokalo lwake ngapansi, umlilo; ku suke nasokalweni lwake ngapezulu, njengokubonakala kokukazimula, njengokukanya kwetusi elihle.

3 Wa ti wa pumisa isimo sesandhla, wa ngi pata ngezinwele zebuuzi lekanda lami; kwa ti umoya wa ngi pakamisa pakati komhlaba nezulu, wa ngi zisa eJerusalem eziBonakalweni zika Tixo, ngasemnyango wesango elingapakati eli bheka ngasenyakato; lapo si kona isihlalo sesitombe esi umona, esibanga umona.

4 Bhekake, lapo ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli, njengokubonakala e nga ku bona ngi semfundeni.

5 Wa se e ti kimi, Ndodana yomuntu bekisa manje amehlo ako ngendhle-

la yenyakato: lapo nga bekisa amehlo ami ngendhlela yenyakato, bhekake, ngasenyakato esangweni lelati lesitombe esi umona ngasekungeneni.

6 Wa buya wa ti kimi, Ndadana yomuntu, u ya ku bona loku a ba kwenzayo na? ukunengeka okukulu e kwenzayo indhlu ya seIsraeli lapa, ukude disa kude kuyo indawo yami eyingewe le? kodwa penduka futi, wo bona ukunengeka okukulu ku naloku.

7 Wa se e ngi zisa kuwo umnyango wetanga; nga ti ukubheka, nga bona imbobo odongeni.

8 Lapo wa ti kimi Ndadana yomuntu, yimba manje odongeni: nga se ngi mba odongeni, bhekake umnyango.

9 Wa ti kimi, Ngena, u bone ukunengeka okubi aba kwenzayo lapa.

10 Nga ti nga ngena, nga bona bhekake, izimo zonke zezilwane ezikasayo nezezilo ezingahlanzekile, nezitombe zonke zendhlu, ya seIsraeli zi lotyiwe odongeni ekuzungezeni.

11 Kwa ti kwema pambi kwazo amadoda a ngamashumi a isikombisa a kwabadala ba seIsraeli, noJazania indodana ka Shafani we ma pakati kwawo; ile ndoda i noti lwayo lokutyisa impepo esandhleni sayo; la ti ipunga, ifu lempepo lenyuka.

12 Lapo wa ti kimi, u bonile yini Ndadana yomuntu, loku a ba kwenzayo ebunnyameni, abadala bendhlu ya se-Israeli yilendoda emagumbeni emifanekiso yayo na? ngokuba ba ti akuko ku tina uTixo obonayo; uJehova u shiyile izwe.

13 Wa se e ti kimi futi, penduka, wo bona ukunengeka okukulu ku nako aba kwenzayo.

14 Lapo wa ngi zisa emnyango wesango lendhlu ye Nkosi eli ngasenyakato; bhekake, lapo abesifazana ba hlala be lilela uTamuzi.

15 Wa buya wa ti kimi, u bonile yini Ndadana yomuntu? penduka futi, wo bona ukunengeka okukulu ku naloku.

16 Wa se e ngi zisa ebaleni lendhlu ka Jehova elingapakati, bhekake, emnyango wetempeli lika Jehova, emkatini wokungena nelati, ngasemashumini amabili nauhlanu amadoda, imihlana yawo i ngasetempeleni lika Jehova, nobuso bawo bu ngasempumalanga; a ti a kotamela ilanga ngasempumalanga.

17 Wa se e ti kimi, u bonile loku, Ndadana yomuntu na? ku lula yini ku-

yo indhlu ya seJuda nxa ba kwenza ukunengeka aba kwenzayo lapa? ngokuba ba gwalise izwe ngokwenakalisa, futi ba buyile uku ngi tukutelisa; bhekake, ba faka izintsaba ezimpumulweni zabo.

18 Ko ti pela ngenza ngentukutelo yami: iso lami a li yi ku dabuka, futi a ngi yi ku haukela; ba ya kuti ba kale ngezwi elikulu ezindhleleni zami, kepa a ngi yi ku zwa.

### ISAHLUKO 9.

**L**APO wa memeza ezindhleleni zami ngezwi elikulu, e ti, Ma ba sondele abapindiseli umuzi, ku ti ilomuntu e nesikali sokubulala esandhleni sake.

2 Bhekake, amadoda ayisitupa a fika e vele ngendhlela yesango elipakamileyo, eli bheka ngasenyakato, i ti ilendoda i nesikali sokufehleza esandhleni sayo; nendoda enye pakati kwawo ya gqoka ilineni, nopondo lweinke lombali okalweni lwayo; a ti a ngena, e ma ngasohlangotini lwelati letusi.

3 Futi ukukazimula kuka Tixo wa se-Israeli kwa ba se kwenyukile pezu kwekerubi, lapo ku be kona kulo, kweza emgulugulwini womnyango wendhlu; lapo wa memeza kuyo indoda e gqoke ilineni, e bi nopondo lweinke lombali okalweni lwayo.

4 Wa se e ti kuyo uJehova, dhlulela pakati komuzi, ukuti pakati kweJerusalem a beke upau ebunzini labantu aba lingozaayo, bona aba lingoza ngokunengeka konke o kwenziwayo pakati kwawo.

5 Na ku lawa amanye wa ti endhleleni yami, dhlulani emzini emva kwawo, ni bulale; iso lenu ma li nga dabukeli, ni nga haukeli:

6 Bulalani ngokubulala omdala, nomutya, nentombi nabantwana, nabafazi, kepa ni nga sondele kumuntu noyedwa upau lu pezu kwake; ni qale endaweni yami eyingewe le. Lapo ba qala kubantu abadala a ba be be pambi kwendhlu.

7 Wa buya wa ti kuwo, Ngcolisani indhlu, ni gwalise amabala ngabahlatyiweyo; pumani: A ti a puma, a bulala emzini.

8 Kwa ti e se ba bulala, mina ngi shiyiwe, nga se ngi wa ngobuso bami, nga kala, nga ti, Au Nkosi Jehova! wo bulala insalo yonke ya seIsraeli eku-

teleni kwako intukutelo yako pezu kwe-Jeruselema na?

9 Lapo wa ti kimi, ububi bendhlu ya seIsraeli neya seJuda bukulu kakulu, li ti izwe li gewele igazi, nomuzi u gewele ukupambukisa; ngokuba ba ti, uJehova u shiyile izwe, futi akuko uJehova obonayo.

10 Kepa mina iso lami a li yi ku dabuka, a ngi yi ku haukela, ngo pindisela indhlela yabo pezu kwekanda labo.

11 Bhekake, indoda e gqoke ilineni, e bi nopondo lweinke lombali okalweni lwayo, ya buyisa izwi, lokuti, Se ngezile njengaloku wa ngi memezela kona.

ISAHLUKO 10.

**L**APO nga bona, bhekake, emkatini o be pezu kwekanda lamakerubi, kwa bonakala pezu kwawo njengetye lesafire, njengokubonakala komfanekiso wesihlalo sobukosi.

2 Wa ti wa kuluma kuyo indoda embete ilineni, wa ti, Ngena pakati kwamasondo a nga pansi kwekerubi, u gwalise isandhla sako amalahlle omlilo avutayo ngapakati kwamakerubi, u wa hlakaze pezu komuzi. Wa se e ngena pambi kwamehlo ami.

3 A ti amakerubi a be e mi ngesokunene kwendhlu, ekungeneni kwendoda; futi ifu la gwalisa ibala elingapakati.

4 Lapo ukukazimula kuka Jehova kwenyukela ku suke pezu kwamakerubi pezu kongulugulu womnyango wendhlu; ya ti indhlu ya gwaliswa ifu, nebala la gwalala ukukanya kokukazimula kuka Jehova.

5 Ya ti inhlokomo yamapiko amakerubi ezwakala ebaleni elingapandhle, njengezwi lika Tixo uSomandhla nxa e kuluma.

6 Kwa tike ukuyaleza kwake kuyo indoda embete ilineni, ngokuti, Tabata umlilo ngapakati kwamasondo a pakati kwamakerubi; ya ngena yema ngasemasondweni.

7 Kwa ti ikerubi la pumisa isandhla salo ngapakati kwamasondo kuwo umlilo o be pakati kwamakerubi, la tabata, la nikezela ezandhleni zake o wembete ilineni; o wa tabata, wa puma.

8 Kwa ti kwa bonakala kulo ikerubi umfanekiso wesandhla somuntu nga pansi kwamapiko.

9 Kepa ngi sa bona, bhekake, amasondo amane, ngakuwo amakerubi, isundo li linye nga kulo ikerubi linye,

nesondo li linye nga kulo ikerubi elinye; futi ukubonakala kwamasondo njengokukazimula kwetye eli itopazi.

10 Kwa ti ukubonakala kwawo, umfanekiso munye u be kuwo amane, njengaloku isondo li be pakati kwesondo.

11 Nxa e hamba, a ya ngezinhlangothi ezine zawo; a ka guqukanga ekuhambeni kwawo, ngokuba indawo lapo ikanda la bhekisa kona a ya emva kwalo; a ka pendukanga ekuhambeni kwawo.

12 Kwa ti inyama yonke yawo, nomhlana wawo, nezandhla zawo, namapiko awo, namasondo a gewele amehlo ekuzinguzeni, ukufi amasondo a be ku lawamane.

13 Kuwo amasondo kwa tiwa ezindhlebeni zami, sondo.

14 Kwa ti ubuso bune bu be ku yileli, ubuso bokuqala ubuso bekerubi, ubuso besibili ubuso bomuntu, obesitatu ubuso bengonyama, no besine ubuso benqe.

15 A ti amakerubi a pakanyiswa. Yilesi isidalwa e nga si bona ngasemfuleni uKebari.

16 Kwa ti ekuhambeni kwamakerubi, a ya ngakuwo amasondo; na lapo amakerubi a pakamisa amapiko awo ukwenyuka pezu komhlaba, lawamasondo nawo a ka pendulwanga nga kuwona.

17 Ekumeni kwawo kwena lawa; nasakupakamisi kwawo, kwa zipakamisa lawa; ngokuba umoya wesidalwa u be pakati kwawo.

18 Lapo ukukazimula kuka Tixo kwa deda kuwo umgulugulu wendhlu, kwe ma nga pezu kwamakerubi.

19 Futi amakerubi a pakamisa amapiko awo, enyuka kuwo umhlaba emehlweni ami: ekupumeni kwawo, amasondo nawo a be ngakuwo, la ti ileli lema emnyango wesango la sempumalanga lendhlu yika Jehova; futi ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli ku be pezu kwawo.

20 Yilesi isidalwa e ngasi bona pansi kuka Tixo wa seIsraeli ngasemfuleni uKebari, futi ngazi ukuba a ngamakerubi wona.

21 Lawa amane a be nobuso bune kulo linye, namapiko amane kulo linye; futi umfanekiso wesandhla somuntu u be pansi kwamapiko.

22 Futi umfanekiso wobuso bawo, bona ba be bu ubuso yilobo e nga bu bona ngasemfuleni uKebari, ukubonakala kwawo, kwa ku iwona; a hamba yileli pambi ngo kobuso balo.

ISAHLUKO 11.

**L**APO umoya wa ngi pakamisa, wa ngi zisa kulo isango la sempumalanga lendhlu ka Jehova, eli komba empumalanga: bhakake ngasemnyangweni wesango amadoda a ngamashumi amabili nesihlanu; futi nga bona pakati kwawo uJazania indodana ka Azuri, noPelatia indodana ka Benaia, izikulu zabantu.

2 Wa se e ti kimi, Ndodana yomuntu, iwona amadoda a ceba okubi, a qondisa ukuqondisa okubi emzini lo.

3 A ti, A ku seduze ukwaka izindhlu na? lo u imbiza, tina si inyama.

4 Ngako yazisa nga kuwo, yazisa Ndodana yomuntu;

5 Kwa ti umoya kaJehova wa wa pezu kwami, wa ti kimi, yityo ukuti; Njalo u tyo uJehova; Njalo ni tyilo, Ndhlu ya seIsraeli; ngi ya zazi izinkumbulo e zi vuka emimoyeni yenu.

6 Nandisile abahlatiyweyo benu emzini lo, ni gewalisile izindhlela zawo ngabahlatiyweyo.

7 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Abahlatiyweyo benu, e ni ba bekile pakati kwawo, bona ba iuyama, wona lomuzi, u i imbiza: kepa ngo ni pumisa pakati kwawo.

8 Ni sabile inkemba; kepa ngo zisa inkemba pezu kwenu, i tyo iNkosi uJehova.

9 Ku ya kuti ngi ni pumise pakati kwawo; ngi ni nike esandhleni sabafo, futi ngi ya kwenza kini ukwahlulela kwami.

10 Ni ya kuwa ngenkemba, ngo nahlula ngaseceleni la seIsraeli: futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

11 Lomuzi a u yi ku ba kini imbiza, futi a ni yi ku ba iuyama pakati kwawo; eceleni la seIsraeli ngo nahlula.

12 Futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova; e ni nga hambanga emitetweni yami, nokwahlulela kwami a ni kwezanga; kepa nenzile njengokwahlulela kwezizwe e zi ni zungezayo.

13 Kwa tike, ukwazisa kwami uPelatia indodana ka Benaia wa fa. Lapo nga wa ngobuso bami, nga kala ngezwi elikulu, nga ti. Au Nkosi Jehova! u ya kwenza ukuqeda insalo ya seIsraeli na?

14 Lapo kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

15 Ndodana yomuntu, abafo wenu, abafo wenu, abantu bezihlobo zako, ne-

ndhlu yonke ya seIsraeli impela, ba yilaba a ba tyilo kubo bona aba hlezi eJerusalema, ukuti, Dedani kude kuJehova; ki tina lelilizwe li piwe uku li bamba.

16 Ngako yityo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Noma ngi ba dedisile kude pakati kwezizwe, noma ngi ba hlakazile pakati kwamazwe, noko ngo ba kubona okuyingewele okuncane emazweni lapo ba ya kuza kona.

17 Ngako yityo, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo ni buta ni pume kubantu, ngi ni hlanganise, ni pume emazweni e ni hlakaziwe kona, ngo ni nika izwe la seIsraeli.

18 Ba ya kuti ba ze lapa, ba suse okudeliweyo konke kwawo, nokunengekayo konke kwawo kulo.

19 Ngo ti ngi ba nike inhliziyonye, ngi beke umoya omutya pakati kwenu; ngi suse inhliziyoye yetye kuyo inyama yabo, ngi ba nike inhliziyoye yenyama:

20 Ukuze ba hambe emitetweni yami, ba gcine ukwahlulela kwami, ba kwenze; futi ba ya kuba kimina abantu, ngi be kubona uTixo.

21 Kepa bona inhliziyoye yabo i hamba ngokwenhliziyoye yokudeliweyo kwabo, nokunengekayo kwabo; ngo pindisela indhlela yabo pezu kwamakanda abo, i tyo iNkosi uJehova.

22 Lapo amakerubi a pakamisa amapiko awo, namasondo ngakuwo; futi ukukazimula kuka Tixo wa seIsraeli ku be pezu kwawo ngapezulu.

23 Kwa ti ukukazimula kuka Tixo kwenyukela ku vele kuwo umuzi ngapakati, kwema entabeni e ngasempumalanga komuzi.

24 Lapo umoya wa ngi pata wa ngi zisa esibonakalweni nguMoya ka Tixo eKaldea, kubo abokutunjwa; Sa ti isibonakaliso e ngi be ngi si bonile senyuka si deda kimi.

25 Nga se ngi kuluma kubo abokutunjwa onke amazwe ka Jehova o wa ngi bonisa wona.

ISAHLUKO 12.

**K**WA ba kona izwi lika Jehova futi lokuti.

2 Ndodana yomuntu, wena u hlezi pakati kwendhlu epambeneyo; abayo ba namehlo okubona, be nga boni, ba nezindhlebe zokuzwa, be ngezwi; ngokuba ba indhlu epambeneyo bona.

3 Ma u te wena Ndodana yomuntu u

zenzele impahla yokusuka, u suke emini emehlweni abo; wo ti u suke kuyo indawo yako u ye kwenye indawo emehlweni abo; mhlaumbe ba ya kubona, nokuba ba indhlu epambeneyo bona.

4 Futi wo pumisa emini emehlweni abo impahla yako, njengempahla yokusuka; wo puma wena kusihlwa emehlweni abo, njengabapumela ekutunjweni.

5 Zifohlele udonga emehlweni abo, u pume ngalo.

6 Emehlweni abo wo pata ehlonbe lako, u pumise ekuhlweni, wo sibekela ubuso bako ukuba u nga boni umhlabatati; ngokuba ngi ku bekele umbonelo kuyo indhlu ya seIsraeli.

7 Lapo ngenza njalo njengaloko nga be ngi yalwe; nga pumisa impahla yami njengempahla yokutunjwa emini, na kusihlwa nga zifohlele udonga ngesandhla; nga pumisa ekuhlweni, nga pata ehlonbe lami emehlweni abo.

8 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova ekuseni, lokuti;

9 Nnodana yomuntu, abendhlu ya seIsraeli, indhlu epambeneyo, a ba tyo-ngo kuwe yini, Wenzani na?

10 Yityo kubona, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, ikona ukwazisa ngenkosi e seJerusalema na ngabendhlu yonke ya seIsraeli a ba pakati kwalo.

11 Yityo ukuti, Mina ngi umboniso wenu; njengaloko ngenzile, njalo ku ya kwenziwa kubona: ba ya kuya ekutunjweni nasekubambekeni.

12 Futi inkosi e pakati kwabo, yo pata ehlonbe layo ekuhlweni, i pume: ba ya kufohla udonga ukupumisa ngawo; yo sibekela ubuso bayo, ukuze i nga boni umhlabatati ngamehlo.

13 Futi ngo ponsa ineta lami pezu kwayo, yo badjwa esihibeni sami yona; ngo ti ngi yi zisa kulo iBabulona izwe labaKaldea, kepa a i yi ku li bona, noko yo fa kona.

14 Futi ngo ba sabalalisa emimoyeni yonke bonke a ba yi zungezayo, be yi siza, nezimpi zonke zayo; ngo koka nenkamba emva kwabo.

15 Ba ya kuti bazi ukuba ngi nguJehova, nxa ngi ba hlakazile pakati kwezizwe, ngi ba sabalalise emazweni.

16 Kepa ngo shiya kubo abantu abatile be sinda kuyo inkemba, na kuyo indhla-la, na kuso isifo; ukuze ba tyele ukunengeka konke kwabo kuzo izizwe lupu ba

ya kuza kona; bo ti bazi ukuba ngi nguJehova.

17 Futi kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti;

18 Nnodana yomuntu, yidhla isinkwa sako ngokuqaqazela, u puze amanzi ako ngokutumala, na ngokukatazeka;

19 U tyo kubantu bezwe, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kubo aba hlezi eJerusalema, kulo izwe la seIsraeli; Ba ya kudhla isinkwa sabo ngokukatazeka, ba puze amanzi abo ngokudumala, ukuze izwe lalo li citakele kuko ukugewala kwalo, ngako ukwenakalisa kwabo bonke aba hlezi kulo.

20 Ko ti imizi eyakiweyo yo citwa, nezwe li ya kuba incitakalo; ni ya kwazi nina ukuba ngi nguJehova.

21 Futi kwa ba kona kimi izwi lika Jehova lokuti.

22 Nnodana yomuntu, ku yini na isikulumo lesi e ni naso ezweni la seIsraeli; sokuti, Izinsuku zi ya jobelelwa, nezibonakalo zonke zi ya puta?

23 Ngako ba tyele, Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngi ya kwenza ku pele lesisikulumo, futi a ba yi ku fanisa ngaso eIsraeli; ngokuba nxa izwi li ku bona, izinsuku zi ya sondela, nako okutyiwo kwezibonakalo zonke.

24 Ngokuba a ku yi ku ba kona futi isibonakalo esi ize, nokubula okutelezayo pakati kwendhlu ya seIsraeli.

25 Ngokuba ngi nguJehova, ngo kuluma, izwi e ngi ya kulikuluma, li ya kwenziwa futi; a ku sa yi ku libaziswa; ngokuba ngezinsuku zenu, Ndhlu epambeneyo, ngi ya kutyo izwi, ngi lenze, i tyo iNkosi uJehova.

26 Futi kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

27 Nnodana yomuntu, bheka, abendhlu ya seIsraeli ba tyo, ukuti, Isibonakalo a si bonayo yena, si kuzo izinsuku eziningi ezi pambili, futi u yazisa ngezikati ezi kude.

28 Ngako yityo kubona, Njalo i tyo iNkosi uJehova; a ka sa yi ku libaziswa amazwi ami nelodwa, izwi e ngi li kulumayo li ya kwenziwa, i tyo iNkosi uJehova.

### ISAHLUKO 13.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

2 Nnodana yomuntu, yazisa nga kubo abazisi ba seIsraeli abazisayo, u tyo ku bona a bazisa okwenhliziyo yabo, Yizwani izwi lika Jehova.

3 Njalo i tyo iNkosi uJehova, Maye kubo abazisi aba nobuula a ba landela umoya wabo, nako a ba nga ku bonileyo!

4 Israeli, abazisi bako ba njengezimpungutye ehlane.

5 A ni kupukelanga ezikaleni, a ni lwakelanga indhlu ya seIsraeli udonga, ukuma ekulweni ngosuku luka Jehova.

6 Ba bonile oku ize, nokubula kwamanga, be tyo ukuti, U tyo uJehova; kepa uJehova a ka ba tumanga: futi ba tembisa ukumisa izwi.

7 A ni bonanga yini oku ize, nokubula kwamanga, a ni ku kulumanga yini na? futi ni tyo, ukuti, U tyo uJehova; kepa ngi nga kulumanga.

8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba ni kulumile oku ize, ni bonile amanga, ngako, ngi pambene nani, i tyo iNkosi uJehova.

9 Ko ti isandhla sami si be pezu kwabazisi a ba bona oku ize, na ba bula amanga; a ba yi ku ba kona empakatini wabantu bami, futi a ba yi ku balwa esibalweni sendhlu ya seIsraeli, a ba yi ku za nasezweni la seIsraeli; futi ni ya kwazi ukuba ngi yiNkosi uJehova.

10 Ngokuba, yebo ngokuba bedukise abantu bami, ngokuti, Ku ukuhlala kahle, kepa a ku ko ukuhlala kahle; kwa ti lo waka udonga, bhekake, bona ba wu nameka ngodaka olu nga vutiweyo.

11 Yityo ku bona a ba wu nameka ngodaka olu nga vutiweyo; li ya kuwa lona; ko ba kona invula e uzamcolo; nani nina matye a yizicoto ni ya kuwa; futi umoya o yisipepo wo wu dabula.

12 Bheka lapo udonga lu wile, a ku yi ku tyiwo kini ukuti, lu pi udaka e na lu nameka na?

13 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo wu dabula ngomoya oyisipepo ngentukutelo yami; futi ko ba kona invula e uzamcolo ngolaka lwami, namatye a yizicoto ngentukutelo yami uku wu qeda.

14 Njalo ngo wisa pansu udonga e ni lu namekile ngodaka olu nga vutiweyo, ngi lwenze lu namate umhlabati; futi isisekelo salo so bonakala, lu we; nina ni ya kuqedwa pakati kwalo; futi ni ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova.

15 Njalo ngo pelelisa intukutelo yami odongeni, na ku bona a ba lu nameka ngodaka olu nga vutiweyo, futi ngo ti kini, Aluko udonga, abako na ba lu namekileyo.

16 Aba ti abazisi ba seIsraeli a ba zisa

kulo iJerusalema, na ba bona izibonakalo zokuhlala kahle kulo, kanti akuko ukuhlala kahle, i tyo iNkosi uJehova.

17 Futi, Nnodana yomuntu, bhekisa ubuso bako nga kuwo amadodakazi abantu bako, azisa oku puma enhliziyweni yawo; wazise nga kuwo.

18 U tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Maye kubo abesifazana abatunga amacansi kuwo amalunga onke ezandhla, a benza nezingubo pezu kwekanda lezitombe zonke ukuzingela imipefumlo! Ni ya kuzingela imipefumlo yabantu bami, ni ya kupilisa imipefumlo e ze kini.

19 Futi no ngi ngeolisa pakati kwabantu bami, ngezandhla e zi gwele ubale, na ngamaqanda esinkwa ukubulala imipefumlo e be i nga yi ku fa, noku pilisa imipefumlo e be i nga yi ku pila, ngokuqamba amanga kwenu kubantu bami a bezwa amanga.

20 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, bheka mina ngi nga kuwo amacansi enu e ni zingela ngawo imipefumlo njengezinyoni, ngo ti ngi wapule ezingalweni zenu, ngi pumise imipefumlo, imipefumlo e ni yi zingelayo njengezinyoni.

21 Ngo wapula nezingubo zenu ngi pumise abantu bami esandhleni senu, futi a ba sa yi ku ba kona esandhleni senu ukuzingelwa, ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

22 Ngenxa yokudabukisa kwenu inhliziyoyolungileyo ngamanga, noko a ngi ba dabukisanga; na ngokuqinisa isandhla somubi fune a buye ngendhla embi yake, ngoku m pilisa.

23 Ngako a ni sa yi ku buka ize, ni nga buli futi nokubula; futi ngi ya kusindisa abantu bami esandhleni senu, ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

#### ISAHLUKO 14.

**L**APO kweza kumi abantu abadala ba seIsraeli, ba hlala pambi kwami.

2 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

3 Nnodana yomuntu, lababantu ba misile enhliziyweni yabo izitombe zabo, ba bekile isikubekiso sobubi babo ngapambili kobuso babo; nga ngi lalala ku bona ngokunaka na?

4 Ngako kuluma ku bona, u tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; I lowo muntu wendhlu ya seIsraeli o mise enhliziyweni yake izitombe

zake, e bekise isikubekiso sobubi bake ngapambili kobuso bake, e za kuye umazisi; mina Jehova ngo pendula kuye ozayo njengobuningi bezitombe zake.

5 Ngenxa yokubamba indhlu ya se-Israeli ngehliziyu yabo, a ba zihluka-nisa kimi bonke ngezitombe zabo.

6 Ngako yityo kuyo indhlu ya se-Israeli, ukuti Njalo i tyo iNkosi uJehova; Pendukani ni buye kuzo izitombe zenu; na kuko konke ukunengeka kwenu ma ni pendule ubuso benu.

7 Ngokuba i lowo muntu wendhlu ya se-Israeli, no wabafo o ya kuhlala e-Israeli, o hlukana nami, e mise ehliziyweni yake izitombe zake, e beke isikubekiso sobubi bake ngapambili kobuso bake; e ze kuye umazisi ukubuza kuye ngami; mina Jehova ngo pendula kuye ngokwami.

8 Ngo ti ngi beke ubuso bami nga kulomuntu, ngi m cite a be umbonelo, nesikulumo, ngi m nqume pakati kwabantu bami; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

9 Futi uma umazisi e vuma ukukohliswa nxa e kulumile izwi, mina Jehova ngi m yekile a kohliswe lomazisi; ngi ya kuti ngi beke isandhla sami pezu kwake, ngi m bubise pakati kwabantu bami aba-Israeli.

10 Ba ya kutwala icala labo; njengecala lobuzayo, njalo ko ba kona icala lomazisi.

11 Ukuze a bendhlu ya se-Israeli ba nga duki futi kuko ukungilandela ba nga zingcolisi futi ngezipanibeko zonke zabo; kepa ba ya kuba kumina abantu, ngi ya kuba ku bona uTixo, i tyo iNkosi uJehova.

12 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova lokuti.

13 Ndodana yomuntu, lapo izwe lonile nga kimi ngokukohlisa ngenkohliso, ngo ti ngi beke isandhla sami pezu kwalo, ngi lwapule kulo uqobo lwe-sinkwa, ngi tume indhlala pezu kwalo, ngi nqume ku lona umuntu nesilwane.

14 Noma ku kona pakati kwalo lamadoda amatatu uNoa noDanyeli noJobe, a zo sindisa imipefumlo yawo yodwa ngokulunga kwawo, i tyo iNkosi uJehova.

15 Nxa ngi dabulise isilo esibi ezweni, senze li felwe abantwana, li ze li be incitakalo, njengokuba a ka dhluli muntu ngenxa yesilo;

16 Noma ku kona pakati kwalo lamadoda amatatu, kupila kwami, i tyo iNkosi

uJehova, a ka yi ku sindisa namadodana namadodakazi; wona odwa a ya kusindiswa, kanti izwe lo ba incitakalo.

17 Noma mhlaumbe ngi zise inke-mba pezu kwelizwe lelo, ngi ti, Nkemba, dabula izwe; ngi ze ngi nqume ku lona umuntu nesilo;

18 Noma ku kona pakati kwalo lamadoda amatatu, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, a ka yi ku sindisa amadodana namadodakazi, kepa wona odwa a ya kusindiswa.

19 Noma mhlaumbe ngi tume isifo pezu kwa lelozwe, ngi tele intukutelo yami pezu kwalo ngezazi, ukunquma kulo umuntu nesilwane;

20 Uma ku kona pakati kwalo uNoa noDanyeli noJobe, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, a ba yi ku sindisa nendodana nendodakazi; bona bodwa ba ya kusindisa imipefumlo yabo ngokulunga kwabo.

21 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Kakulu kangakanana! uma ngi tume izahlulo ezine zami ezimbi pezu kwe-Jerusalema, inkemba, nendhlala, nesilo esibi, nesifo ukunquma kulo umuntu nesilwane.

22 Kepa bheka ko shiywa kulo ukusinda, bona a ba pumayo, amadodana namadodakazi: bheka a ya kupumela kini; no ti ni bone indhlela yawo, nemisebenzi yawo ni tokoziswe ngako ukubi e ngi ku zisile pezu kweJerusalema, ukuti konke e ngi ku zisile pezu kwalo.

23 Futi wo ni tokozisa lapo ni bona indhlela yawo nemisebenzi yawo; ni ya kuti nazi ukuba a ngenzanga ngeze konke e ngi kwenzile pakati kwalo, i tyo iNkosi uJehova.

#### ISAHLUKO 15.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, Umuti wesinwazi u yini nga pezu kwemiti yonke, igatya e li pakati kwemiti yehlali.

3 Ku ya kutatya kuso umuti ukwenza umsebenzi? ba zo tabata kuso nesikonkwa ukupanyeka kuso isitya nje na?

4 Bheka, si fakwa emlilweni si be ukudhla kwawo; umlilo u ya dhla izinxenye ezombili zaso, nokupakati kwaso ku hamukile: si ya kusiza ngomsebenzi yini na?

5 Bheka, lapo si sa kona si pelele, a se-



nziwanga si be umsebenzi; kaucane kangaka lapo umlilo u dhlile sona, u hamukile, si sa ya kwenziwa si be umsebenzi.

6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; njengomuti weshinwazi pakati kwemiti yehlati, e ngi si nikele emlilweni si be ukudhla kwawo, njalo ngo nika abahlezi eJerusalema.

7 Ngi ya kuti ngi beke ubuso bami nga kubona; ba ya kupuma emlilweni, ko ti umlilo u ba dhle; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngi beke ubuso bami nga ku bona.

8 Futi ngo beka izwe li be incitakalo, ngokuba benzile ngenkohliso i tyo iNkosi uJehova.

ISIAHLUKO 16.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

2 Nnodana yomuntu, yazisa iJerusalema ukunengeka kwalo;

3 U tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kulo iJerusalema; Ukudabuka kwako, nokuzalwa kwako, ku be sezweni la seKanani, uyihlo u be umAmori, unyoko u be umHitikazi.

4 Kwa ti ekuzalweni kwako, ngosuku lokuzalwa kwako; inkaba yako a i sikwanga, a u hlanzanga ngamanzi ukubukwa; futi a u hlikihlwanga umunyu, a wambatiswanga.

5 Iso a li banga nabubele kuwe, ukwenzwa kuwe into yaloku nayodwa, uku ku haukela; kanti wa puniswa ebusweni bomhlabati ekudelekeni kompefumlo wako, ngosuku lokuzalwa kwako.

6 Kwa ti nga dhlula nga kuwe, nga ku bona u lahlelwe pansi kwezinyawo egazini lako; nga se ngi ti kuwe u segazini lako, Pila; yebo, nga ti kuwe u segazini lako, Pila.

7 Ngi kwenzile u be izinkulungwane njengamahlumela omhlabati, wandile wena, u kulile, futi u zile u vunulwe ngokuvunulwa; amabele ako a mi kuhle, nezinwele zako zi milile, kepa wa be u buqunu u butyelezi.

8 Kwa ti nga dhlula nga kuwe, nga ku bona, bhekake, isikati sako si be isikati sokutanda; nga ti ngeneka ingubo yami pezu kwako, nga sibekela ubuqunu bako; nga funga kuwe, ngenza uvumelwano nawe, i tyo iNkosi uJehova, wa ti wa ba owami.

9 Lapo nga ku hlanza ngamanzi, yebo nga geza igazi e li be kuwe, nga ku gcoba ngamafuta.

10 Nga kwembesa ingubo e nomfeketiso, nga faka izicatulo zesikumba zetahashi kuwe, nga binea ilineni elihle kuwe, nga ku sibekela ngesiliki.

11 Futi nga ku hloba ngezivunulo, nga faka amasougo ezandhleleni zako, nomketengo entanyeni yako.

12 Nga faka nendandato empumulweni wako, namangenqeza ezindhlebeni zako, nomewazi omuhle ekanda kuwe.

13 Wa ti wa hlotywa igolide nesiliva; nokwambata kwako kwa ku ilineni, nesiliki, nengubo enomfeketiso; wa dhla impupu ecolisileyo, nezinyosi, namafuta; wa u muhle kakulu impela, wa u fanele u be umbuso.

14 La ti igama lako la pumela ezizweni ngobuhle bako; ngokuba bu be pelele ngokuhlobisa kwami, e ngi be ngi fakile kona pezu kwako, i tyo iNkosi uJehova.

15 Kepa wa be u temba ebuhleni bako, wa pinga ngenxa yegama lako, wa telela bonke yilo edhluleyo ukupinga kwako, kwa ba kuye.

16 Futi wa tabata kuzo izambato zako, wa zenzela ezintabeni amatente a tungwa ngeziziba, wa pinga pezu kwawo, a kezi ukuhlala wona, a ku yi ku ba kona loku.

17 Futi wa tabata izivunulo ezihle zako zegolide lami, nesiliva lami e ngi ku nikile lona, wa pinga ngazo izitombe zomlisa, wa pinga nazo,

18 Wa tabata nezambato zako e zi nomfeketiso, wa zambatisa; wa beka amafuta ami, nempepo yami pambi kwazo.

19 Nokudhla kwami e ngi ku nikile kona, nempupo ecolisileyo, namafuta, nezinyosi e ngi ku dhlisile ngako u ku bekile pambi kwazo ku be ipunga elimnandi, kwa ku njalo i tyo iNkosi uJehova.

20 Futi u tabatile amadodana ako namadodakazi ako o wa beletile kimi, u wa hlabile kuzo uku wa dhle; Kwa ku ncane lokukupinga kwako na,

21 Ukuti u bulele abantwana bami u nikile bona ukudabula umlilo ku zona ?

22 Kepa ekunengekeni konke kwako, nasekupingeni kwako a u kumbulanga izinsuku zobungane bako, lapo wa u buqunu u butyelezi u lahlewe pansi kwezinyawo egazini lako.

23 Ku tike emva kwako konke okubi kwako, maye, (maye kuwe ! i tyo iNkosi uJehova.)

24 U zakele indhlu yokupinga, u ze-

nzele indawo epakamileyo ezindhleleni zonke.

25 Wakile indawo yako epakamileyo enhla nazo zonke izindhlela, wenzile ubuhle bako bu deleke, u vulele izinyawo zako ku yilowo odhluleyo, wandisele ukupinga kwako.

26 U pingile nabantwana ba seEgipite abakelene nawe, aba kulu enyameni, wandisile ukupinga kwako uku ngi cunula.

27 Bhakeke, ngi bekile isandhla sami pezu kwako, ngi neipisile isabelo sako sokudhla, ngi ku nikile kuwo umpefumlo wabo aba ku zondayo, a ba ti amadodakazi abaFilisti a namahloni ngendhlela yako e ukwenakalisa.

28 Futi u pingile nabantwana ba seAsiria, ngokuba wa be u nge sute; yebo u pingile nabo, wa be u nge sute futi.

29 Futi wandisa ukupinga kwako ezweni la seKanani namaKaldea; wa u nga suti nga loku nako.

30 I dangele kangakanani inhliziyi yako, i tyo iNkosi uJehova, nga loku wenza loku konke, o ku ukwenza kwesifazana esipingayo, esibusayo.

31 Na nga loku waka indhlu yako yokupinga enhla ezindhleleni zonke, wenze izindawo zako ezipakamileyo ezindhleleni zonke.

32 Umfazi e yisipingi, esikunhlani sendoda yake u ya tabata abafu!

33 Ba nika umvuzo kuzo izipingi zonke; kanti wena u ya nika imivuzo yako kubo abatandi bako bonke, u ba pe ukuze ba ngene kuwe ekupingeni kwako emacaleni onke.

34 Ku se kona kuwe oku pambene nabafazi abanye ekupingeni kwako; loku a kuko o landela wena ukupinga; na nga loku u nika inkokelo, kepa inkokelo a i nikwa kuwe, ngako u pambene.

35 Ngako, Sipingi, yizwa izwi lika Jehova.

36 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba imali yako ya teelwa, futi ubuze bako ba zibukulwa ngokupinga kwako nabatandi bako, na ugezitombe zonke zokunengeka kwako, na ngokwezingazi zabantwana bako o ba nikile kuzo.

37 Ngako, bheka, mina ngi ya ku buta abatandi bonke bako, o tokozile nabo, nabo bonke o ba tandileyo, kanye nabo bonke o ba zondileyo; ngo ti ngi ba bute nga kuwe ekuzungezeni, ngi zibukule ubuze bako ku bona, ba bone ubuze bonke bako.

38 Ngi ya kuti ngi kwahlule ngezahlulelo zezipingi, nezabapalazi igazi; futi ngo ku nika igazi lentukutelo, ne lomona.

39 Futi ngo ku nika esandhlani sabo, ba hlakaze indhlu yako yokupinga, ba wise izindawo zako ezipakamileyo; ba ya kuti ba ku hlubule ngezambato zako, ba tabate izivunulo ezihle zako, ba ku shiye u buqunu, u butyelezi.

40 Futi ba ya kukupulela pezu kwako isixuku, ba ku kande ngamatye, ba ku qobe ngezinkenba.

41 Bo ti ba tyise izindhlu zako ngomlilo, benze izahlulelo pezu kwako emehlweni esifazana esiningi; ba ku yekise ukupinga, a u sa yi ku nika nenkokelo.

42 Ngi ya kuti ngi pezise intukutelo yami nga kuwe, nomona wami wo suka pezu kwako, ngi tule, ngi nga tukuteli futi.

43 Ngokuba a u kumbulanga izinsuku zobungane bako, kepa u ngi tukutelisile nga ko konke loku; bheka! minake pela ngo pindisela indhlela yako pezu kwekanda lako, i tyo iNkosi uJehova; futi a u yi kwenza lobububi pezu kokunengeka konke kwako.

44 Bheka bonke yilo e fanisayo wo fanisa nga kuwe, ukuti, Indodakazi i njengonina.

45 U yindodakazi ka nyoko wena, o nenga indoda yake, nabantwana bake; wena u ngudade wodade bentu, a ba nenga amadoda abo, nabantwana babo: unyoko u be umHitikazi, uyihlo u be umAmori.

46 Udade omkulu wenu u iSamaria, lona namadodakazi alo a hlezi ngesokhlo sako; ku ti udade omneane wenu, o hlezi ngesokunene sako u iSodoma namadodakazi alo.

47 Kepa a u hambanga njengezindhlela zabo, u ngenzanga na njengokunengeka kwabo: njengokuba ku nengisa kancane loku, wenakalisile ngezindhlela zonke zako ku nako.

48 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, iSodoma udade wenu a lenzanga lona namadodakazi alo njengaloku wenzile wena, namadodakazi ako.

49 Bheka bu be yilobu ububi bodade wenu iSodoma; ukuzidlhla, nokusuta ukudhla, nokuzipumuza ngokudhlhla kahle kwa ba kulo, na kwamadodakazi alo, a li qinisinga isandhla sompofu, nodingayo futi.

50 Ba be nokuzidhla, benza ukunengeka pambi kwami, ngako nga ba susa, njenga loku e nga ku bonayo.

51 Futi iSamaria a lonanga ngokwenxenywe yezono zako; kepa wena u pindisile ukunengeka kwako ku nabo, futi u lungisile udade wenu ngokunengeka konke kwako o kwenzileyo.

52 Wena o wahlulela kubo odade benu, pata nawe ihlazo lako njengezono zako o kwenzile ngazo okunengekile ku nabo, a ba lungile ku nawe; yebo ma u be namahloni, u pate ihlazo lako ngokulungisa kwako odade benu.

53 Ngo ti ngi buyise isitunjwa sabo, isitunjwa sa seSodoma namadodakazi alo, nesitunjwa sa seSamaria namadodakazi alo, nesitunjwa sabatunjwa bako pakati kwako.

54 Ukuze u pate ihlazo lako, u hlaziswe ngako konke o kwenzayo, ekubatokeziseni kwako.

55 Ko ti odade benu iSodoma namadodakazi alo, a buyele kokwabo kokuqala, neSamaria namadodakazi alo a buyele kokwabo kokuqala, wena nawe namadodakazi ako u buyela kokwenu kokuqala.

56 Kepa udade wenu iSodoma a ba nga nakuziwa ngomlomo wako ngosuku lokuzidhla kwako.

57 Lapo kwa ku nga ka bonaakali-swa ububi bako, njengasesikatini sokujezisa amadodakazi a seAramu, nabo bonke aba li zungezayo, amadodakazi a seFilisti a ku delayo ekuzungezeni.

58 Wena u patile ukwenakalisa noku-nengeka kwako, u tyo uJehova.

59 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngi ya kwenza kuwe njenga loku wenzile, u delile isifungo ukwapula uvumelwano.

60 Kepa ngo kumbula uvumelwano lwami nawe ngezinsuku zobutya bako, ngi mise kuwe uvumelwano olungunapakade.

61 Ko ti u kumbule izindhlela zako, u hlaziswe ekwamkeleni kwako odade wenu, omkulu kuwe nomucane kuwe; ngo ti ngi ku nike bona ba be amadodakazi, ku nge ngovumelwano lwako kodwa.

62 Ngi ya kuti ngi mise uvumelwano lwami kuwe; wazi ukuba ngi ngu-Jehova.

63 Ukuze u kumbule u be namahloni, ku nga bi kuwe futi ukukamisa umlomo ebusweni behlazo lako, uma ngi ku

yekele ngako konke o kwenzileyo, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 17.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, yenza inqandelo, u kulume isikulumo kuyo indhlu ya seIsraeli.

3 U tyo, ukuti, Njalo, i tyo iNkosi uJehova; Inqe elikulu, elikulu emapikweni, elide ekombeni, eli gewele izimpape, e li be namabala, le za eLebanoni, la waka amaqabu esedari.

4 La pula isihloko samahlumela alo, la si yisa ezweni la seKanani, la si beka enzini yabatengi.

5 La tabata imbeu yezwe, la yi tela emhlabatini wembeu; la yi yisa ngasemanzini amaningi, la yi beka i be umnyezane.

6 Ya ti ya hluma, ya be ivini elenabayo elifupi, li misa amagatya alo nga ku lona, nezimpande zalo za zi pansi kwalo; la ti li be ivini, la veza amagatya, la pumisa amahlumela.

7 La ba kona nenqe elinye elikulu, elikulu emapikweni, elivama nezimpape; bhekake, lelivini lona la guqulela kulo zimpane zalo, la pumisela kulo namagatya alo, ukuze li netise lona kuyo insimu yokutyalwa kwalo,

8 La tyalwa emhlabatini ovundileyo ngasemanzini amaningi, ukuze li veze igatya, li hlanze ukudhla, li be ivini elihle.

9 Yityo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Li zo kula kahle na? a li yi ku domula zimpane zalo yini, li nqume isitelo si bune na? lo buna amaqabunga onke okumila kwalo, ku nge ngen-galo enkulu, nabantu abaningi uku li fukula kuzo zimpane zalo.

10 Bhekake se li tyaliwe, lo kula kahle na? uma umoya wa sempumalanga u tyaya pezu kwalo, a li yi ku buna ngokubuna na? li zo buna esimini yokumila kwalo.

11 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

12 Woza u tyo, kuyo indhlu epambeneyo, a nazi ukuba ku yini loku na? Yityo, ukuti, Bheka inkosi ya seBabulona se i zile eJerusalem, i tabatile inkosi yalo futi, nezikula zalo, i zi zisile kulo eBabulona,

13 I bambile o wenzalo yenkosi, yenzile uvumelwano naye, i m zisile pa-

nsi kwesifungo futi, i bambile nabana-  
mandhla bezwe.

14 Ukuze umbuso u be okotamekileyo,  
a nga zipakamisi; kepa a geine uvume-  
lwano lwayo, a me kulo.

15 Kepa wa hlubuka kuyo ngoku tuma  
izitunywa zake Egipite, a piwe amaha-  
shi nabantu abaningi. Wo kutalelani?  
wo zikulula o kwenza loku na? wo lwa-  
pula uvumelwano yena, a kululwe na?

16 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova,  
endaweni yenkosi e m enzile inkosi,  
o dela isifungo sayo, o lw apula novume-  
lwano lwayo, wo fa kuyo pakati kweBa-  
bulona isibili!

17 Futi uFaro a ka yi ku siza nge-  
mpi enkulu, na ngebandhla elikulu ngo-  
kuqonga udonga na ngokwaka inqaba  
ukunquma imipefumlo eminingi.

18 Ngokuba u delile isifungo ngokwa-  
pula uvumelwano, lapo pela wa be u  
nikile isandhla sake, kepa wenzile loku  
konke, a ka yi ku zikulula.

19 Ngakonjalo i tyo iNkosi uJehova;  
Kupila kwami, isifungo sami a si deli-  
leyo, novumelwano lwami a lwapulileyo,  
ngo lu pindisela ekanda kuye isibili!

20 Ngo ti ngeneka ineta lami pezu  
kwake, wo badjwa esihibeni sami, ngi  
ya ku m yisa eBabulona mina, ngi ye  
ecaleni naye lapo, ngenkohliso yake, o  
wa kohlisa ngayo ngakimi.

21 Ko ti ababalekayo bake bonke, ka-  
nye nezigaba zonke zake zi we ngenke-  
mba, futi abaseleyo bonke bo hlakazwa  
eminoyeni yonke; ni ya ku ti nazi ukuba  
mina Jehova ngi kulumile.

22 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo  
tabata kuwo amaqabunga esedari elipa-  
kamileyo, ngi wa beke; ngo sapula isihloko  
samahlumela alo etambileyo, ngi  
li tyale entabeni ende epakamileyo:

23 Entabeni e ukupakama kwa seIsra-  
eli, ngo li tyala; li veze igatya li hlanze  
isitelo, li be isedari elinamandhla;  
ko ti pansu kwaloko kdelala izinyomi zonke  
zezinhlobo zonke; etunzini lamagatya  
alo zo hlala.

24 Ku ya kuti yonke imiti yazi ukuba  
mina Jehova ngi neipisile umuti opaka-  
mileyo, ngi kulisile umuti omfupi, ngi  
womisile umuti omanzi, ngenzile omile-  
yo u hlanze; mina Jehova ngi kulumile  
ngi kwenzile.

ISAHLUKO 18.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova  
kimi, lokuti;

2 Ku ngani ni kulume lesisikulumo  
ngezwe la seIsraeli sokuti. Obaba ba  
dhlile izinwazi ezimuncu, amazinyo  
abantwana a butyelezi?

3 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova  
a ku sa yi ku ba kini futi ukukuluma  
lesisikulumo elsraeli.

4 Bheka imipefumlo yonke eyami yo-  
na; njengompefumlo wa oyise njalo no-  
mpefumlo wendodana, eyami yona:  
umpefumlo onayo wo fa wona.

5 Kepa uma umuntu e lungile, enze  
ukwahlula nokulunga,

6 E nga dhlanga ezintabeni, e nga  
pakamisela amehlo ake ezitombeni  
zendhlu ya seIsraeli, e nga ngoli-  
sanga umkake o wakelene naye, e nga  
sondelanga kuso isifazana esiqakayo.

7 E nga hlupanga umuntu, e buyisile  
isibambiso secala, e ngamukanga ngo-  
kwamuka, e nikile isinkwa sake kuye  
olambile, e mbatisile o hambaze nge-  
ngubo;

8 E nga nikanga ngenzuzo, e nga  
tabatanga iseleko, e buyisile isandhla  
sake kubo ububi, enzile ukwahlula oku-  
faneleyo pakati komuntu nomuntu;

9 E yile ngokwemiteto yami, e geinile  
izahlulo zani ukwenza okufaneleyo; u  
lungile yena, wo pila ngokupila, i tyo  
iNkosi uJehova.

10 Kanti uma e zele indodana e ngu-  
mpangi, e palaza igazi, enza oku fana  
nokunye kwaloku,

11 E ngenzi na loku konke okufane-  
leyo, kepake e dhlile ezintabeni, e ngo-  
lisile umkake o wakelene naye,

12 E hlupile omfopo nodingayo, e  
mukile ngokwamuka, e nga buyisanga  
isibambiso, e pakamisile amehlo ake  
kuzo izitombe, enzile ukunengeka,

13 E nikile ngenzuzo, e tabatile ise-  
leko; wo pila ngako na? a ka yi ku  
pila: wenzile ukunengeka konke loku;  
u ya kufa mpela; igazi lake li ya kuba  
pezu kwake.

14 Bhekake uma e zele indodana, i ti i  
bone izono zonke zika yise a zenzileyo,  
uma i bone i ngenzi njengazo,

15 I nga dhlanga ezintabeni, i nga  
pakamisanga amehlo ayo ezitombeni  
zendhlu ya seIsraeli, i nga ngolisanga  
umkake o wakelene nayo,

16 I nga hlupanga umuntu, i nga  
bopanga isibambiso, i ngamukanga ngo-  
kwamuka, i nikile isinkwa sayo kuye  
olambile, yambatisile yena olambaze  
ngengubo,

17 I buyisile isandhla sayo kuye ompofu, i nga tabatanga inzuzo neseleko, yenzile izahlulo zami, i hambile emitetweni yami; a i yi ku fa ngokupambeka kuka yise wayo, yo pila ngokupila.

18 Uyise wayo ngokuba u hlupile ngokuhlupa, wamukile umhlobo ngokwamuka, wenzile loko o ku nga lungile pakati kwabantu bake, bhekake, wo fa ekupambekeni kwake.

19 Kepa ni tyo, ukuti, ku ngani indodana a i twali ukupambeka a kuka yise na? Uma indodana yenzile ukwahlula nokulunga, i geinile nemiteto yonke, i yenzile yona, yo pila ngokupila.

20 Umpefumlo onayo, wo fa wona. Indodana a i yi ku twala ukupambeka kuka yise, noyise a ka yi ku twala ukupambeka kwendodana: ukulunga kolungileyo ko ba pezu kwake, nokubi komubi ko ba pezu kwake.

21 Kepa omubi uma e buya ezonweni zonke zake a zenzileyo, e geine imiteto yonke yami, enze ukwahlula nokulunga, wo pila ngokupila, a ka yi ku fa.

22 Izipambeko zonke zake a zenzileyo a zi yi ku kunjulwa nga kuye; ekulungeni kwake a kwenzileyo wo pila.

23 Ku ngukutanda yini ukuba ngi fise ukufa komubi na? i tyo iNkosi uJehova; ku nga bi ekubuyeni kwake ezindhleleni zake, a pile na?

24 Kanti uma olungileyo e buya ekulungeni kwake, enze okubi, enze na njengokunengeka konke omubi a kwezinyo, wo pila na? Ukulunga konke a kwenzileyo a ku yi ku kunjulwa; ekukohliseni kwake a kohlisile ngako, nasekoneni kwake onile ngako, wo fa.

25 Kepa ni ti, Indhlela yeNkosi a i lingani. Yizwanike Ndhlu ya seIsraeli; indhlela yami a i lingani na? e nga ti izindhlela zenu a zi lingani na?

26 Ekubuyeni kolungileyo kuko ukulunga kwake enze okubi, a fe kuko; ebubini bake a benzileyo wo fa.

27 Kanti ekubuyeni komubi ebubini bake a benzileyo, enze ukwahlula nokulunga, umpufumlo wake wo pila wona.

28 Ngokuba wa bona, wa buya kuzo zonke izipambeko zake a zenzileyo, wo pila ngokupila, a ka yi ku fa.

29 Kepa indhlu ya seIsraeli, i ti, Indhlela yeNkosi a i lingani. A zi lingani izindhlela zani Ndhlu ya seIsraeli na? e nga ti izindhlela zenu a zi lingani na?

30 Ngako ngo nahlula nina Ndhlu ya seIsraeli yilomuntu njengezindhlela zake, i tyo iNkosi uJehova. Pendukani ni buye kuzo zonke izipambeko zenu; ukuze okubi ku nga bi ukubujiswa kwenu.

31 Lahlani kini izipambeko zonke zenu e ni pambekile ngazo, ni zenzele inhliziyo entya, nomoya omutya: ngokuba no fa ngani, Ndhlu ya seIsraeli na?

32 Ngokuba a ngi yi ku tokoza ekufeni kofayo, i tyo iNkosi uJehova: ngako buyani ni pile.

### ISAHLUKO 19.

FUTI patela wena izikulu za seIsraeli isililo,

2 U tyo, ukuti, Unyoko u yini na? Ingonyamakazi; ya lala pansi pakati kwezingonyama, ya kulisa amaundhlu ayo pakati kwezingonyama ezitya.

3 Ya ti ya kulisa elinye lamaundhlu ayo; la ba ingonyama entya, ya funda ukubamba impango, ya dhla abantu.

4 Kwa ti izizwe ze zwa ngayo, ya badjwa emgodini wazo, za yi yisa ezweni la seEgipite ngamasongo empumulo azo.

5 Kwa ti se i bone ukuba ya libaziswa, itemba layo la buba; ya se i tabata elinye lamaundhlu ayo, ya li beka li be ingonyama entya.

6 Ya ti ya zihambela pakati kwezingonyama, ya ba ingonyama entya, ya funda ukubamba impango, ya dhla abantu.

7 Futi yazi izigodhlo ezicitwayo zayo, ya cita imizi yona; li citakele nezwe nokugwala kwalo, ngezwi lokukala kwayo.

8 Lapo izizwe za pambana nayo zi vela emazweni a zugezayo, zeneka ineta lazo pezu kwayo; ya badjwa emgodini wazo.

9 Za ti za yi beka endhlini yokubopela emasongweni empumulo, za yi yisa enkosini ya seBabulona; za yi yisa ezinqabeni, ukuze izwi layo li nga zwiwa futi ezintabeni za seIsraeli.

10 Unyoko u njengeminwazi, egazini lako, si tyaliwe ngasemanzini; sa ba neziuhlamvu, namagatya, ngawo amanzi amaniagi.

11 Sa ti sa ba nezinti zamandhla izintonga zababusayo, futi ukudepa kwaso ku pakeme pakati kwamahlamvu, sa ti sa bonakala ekuphakameni kwaso, si nokuvama kwamahlaka.

12 Keba sa donyulwa ekutukuteleni, sa wiswa pansi emhlabatini; kwa ti umoya wempumalanga womisa isitelo saso: kwapuka koma uti lwamandhla aso; umlilo wa si dhla.

13 Kalokuke si tyaliwe ehlane, ezweni elomileyo eligagadekileyo.

14 Umlilo u pumile kulo uti lwamagatya aso, u dhile isitelo saso; futi aluko kuso uti lwamandhla lu be intonga yokubusa. Yilesi isililo, si ya ku ba e sesililo sona.

ISAHLUKO 20.

**K**WA ti ngomnyaka wesikombisa, ngenyanga yesihlanu, ngosuku lweshumi lwenyanga, kweza abatile babantu abadala ba seIsraeli ukubuza kuJehova, ba ti ba hlala pambi kwami.

2 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti,

3 Ndodana yomuntu, kuluma kubo abadala ba seIsraeli, u tyo ku bona, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Se ni ze ukubuza kimi na? Kupila kwami, a ngi yi ku buzwa inina, i tyo iNkosi uJehova.

4 Wo ba tetelela na? wo ba tetelela ndodana yomuntu na? ma u bazise ukunengeka koyise babo.

5 U tyo ku bona ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngosuku e nga m keta uIsraeli ngalo, nga pakamisa isandhla sami kuyo inzalo yika Jakobe, ngaziwa kubo ezweni la sEgipite, nga pakamisa isandhla sami kubo, ukuti, Ngi nguJehova uTixo wenu;

6 Ngosuku lolo e nga pakamisa ngalo isandhla sami kubo, uku ba pumisa ezweni la sEgipite be ze ezweni e ngi be ngi li hlolele bona, eli nobisi nezinyosi, eli ubuhle lona kuwo onke amazwe.

7 Lapo nga ti kubona, Lahlani kini yilomuntu ukudineka kwamehlo ake, ni nga zingcolise ngezitombe za sEgipite; ngi nguJehova uTixo wenu.

8 Keba ba hlubuka kimi be nga vumi ukulalela kimi; a ba lahlanga yilomuntu ukudineka kwamehlo ake, a ba yekanga izitombe za sEgipite: lapo nga ti, Ngo tela intukutelo yami pezu kwabo, ukupelelisa ulaka lwami kubo pakati kwezwe la sEgipite.

9 Kodwa nga sebenza ngenxa yegama lami, funa li ngecoliswe emehlweni ezizwe, a ba kona pakati kwazo, e ngaziwa kubona emehlweni azo, ngokubapumisa ezweni la sEgipite.

10 Nga ti nga ba pumisa ezweni la sEgipite, nga ba zisa ehlane.

11 Nga ba nika imiteto yami, nga bazisa izahlulelo zami, a ya kupila ngazo lomuntu o zenzayo.

12 Nga ba nika amasabata ami a be umboniso pakati kwami nabo, ukuze bazi ukuba ngi nguJehova e ngi ba hlanzisayo.

13 Kanti abendhlu ya seIsraeli ba hlubuka kini ehlane; a ba hambanga emitetweni yami, ba dela izahlulelo zami, a ya kupila ngazo lomuntu o zenzayo; futi ba ngecolisa kakulu amasabata ami: lapo nga ti ngo tela intukutelo yami pezu kwabo ehlane, uku ba qeda.

14 Kodwa nga sebenza ngenxa yegama lami, funa li ngecoliswe emehlweni ezizwe, e nga ba pumisa emehlweni azo.

15 Nga tike nga pakamisa isandhla sami ku bona ehlane, ngi nge ze nga ba zisa ezweni e ngi ba nika lona eli nobisi nezinyosi, eli ubuhle kuwo onke amazwe;

16 Ngenxa yokuba ba dela izahlulelo zami, a ba hambanga emitetweni yami, ba ngecolisa amasabata ami: ngokuba inhliziyi yabo ya hambela izitombe.

17 Noko iso lami la dabuka ngabo ukuze ngi nga ba bubisi, futi a ngi ba qedanga ehlane.

18 Kanti nga ti kubantwana babo ehlane, Ni nga hambani emitetweni ya oyihlo benu, ni nga lalali kuzo izahlulelo zabo ni nga zingcolisi ngezitombe zabo.

19 Mina ngi nguJehova uTixo wenu; hambani emitetweni yami, ni lalale kuzo izahlulelo zami, ni zenze:

20 Nenze a be ngeweke amasabata ami; ko ti a be umboniso pakati kwami nani, ukuze nazi ukuba ngi nguJehova uTixo wenu.

21 Kanti abantwana ba hlubuka kimi; a ba hambanga ezahlulelweni zami, a ba lalalanga, ukuzenza, a ya kupila ngazo lomuntu o zenzayo; ba ngecolisa amasabata ami: lapo nga ti, Ngo tela intukutelo yami pezu kwabo, uku pelelisa ulaka lwami kubo ehlane.

22 Noko nga buyisa isandhla sami, nga sebenza ngenxa yegama lami, funa li ngecoliswe emehlweni ezizwe, e ngi ba pumisa emehlweni azo.

23 Futi nga pakamisa isandhla sami kubo ehlane, uku ba hlakaza ezizweni, noku ba sabalalisa amazweni:

24 Ngokuba ba be be ngenzanga iza-

hlulelo zami, futi ba be be delile imiteto yami; ba be be ngecolisile namasabata ami, namehlo abo a be e landela izitombe za oyise babo.

25 Yeboke nga ba nika imiteto e nga lungile, nezahlulelo a ba nga yi ku pila ngazo:

26 Futi nga ba ngecolisa eminikelweni yabo ekudabuliseni kwabo emlilweni bonke yilo wamazibulo, ukuze ngi ba cite, ba ze bazi ukuba ngi nguJehova.

27 Ngako kuluma kuyo indhlu ya se-Israeli, Ndadana yomuntu, u tyo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Oyihlo benu ba ngi fenyise futi nga loku, ba kohlisile ngoku ngi kohlisa.

28 Lapo nga be ngi ba zisile ezweni, e nga pakamisa isandhla sami uku ba nika lona, ba se be bona zonke izintaba ezipakamileyo, nayo yonke imiti ehlangeneyo, ba hlaba lapo ezihlatyeweyo zabo, na lapo ba nika kona isicunulo somnikelwabo: ba beka nalapo impepo emnandi yabo, ba telela kona iminikelo yokupuzwa.

29 Lapo nga ti ku bona, Ku yini indawo epakamileyo lapo ni za kona? Li ti igama layo li bizwa iBama ku ze ku be namhla.

30 Ngako yityo kuyo indhlu ya se-Israeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ni ngecolisile yini ngokwezindhlehla za oyihlo benu na? futi ni ya pinga yini ngokulandela ukudineka kwabo na?

31 Ngokuba ekuleteleni izipo, ekudhuliseni kwenu abantwana benu emlilweni, ni ya zingcolisa ngezitombe zonke zenu ku ze ku be namhla: po ngi zo buzwa inina Ndhlu ya se-Israeli na? kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova a ngi yi ku buzwa inina.

32 Futi loku oku ngenayo enhliziweni yenu, a ku sa yi ku ba kona, e ni ku tyoyo ukuti, So ba njengezizwe njengemindeniyamazwe, ukukonza umuti netye.

33 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, ngesandhla esi namandhla, na ngengalo eluliweyo, na ngentukutelo etelelweyo, ngo busa pezu kwenu isibili:

34 Ngia ya kuti ngi ni pumise kubantu, ngi ni bute kuwo amazwe e ni hlakaziwe kuwo, ngesandhla esi namandhla, na ngengalo eluliweyo, na ngentukutelo etelelweyo.

35 Ngo ti ngi ni zise ehlane labantu, na lapo ngo ya ecaleni kanye nani ubuso nobuso.

36 Njengaloko nga ya ecaleni noyihlo benu ehlane lezwe la sEgipite, njalo ngo ya ecaleni nani, i tyo iNkosi uJehova.

37 Ngia ya kuti ngi ni yise panshi kwentonga, ngi ni zise ekubotyweni kovumelwano.

38 Futi ngo hlukanisa kini abahlubuki, nabapambekayo kimi; ngi ba pumise ezweni lokuhlala kwabo; a ba yi ku za emhlabatini wa seIsraeli bona; ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova.

39 Kepa nina Ndhlu ya seIsraeli, njalo i tyo iNkosi uJehova; ukuti, Hamhani nina ni konze ilomuntu izitombe zake, na ngasemuva, uma a kuko kini ukulalela kimi: kodwa a ni zo ngecolisa futi igama lami eliyingewe ngezipo zenu, na ngezitombe zenu.

40 Ngokuba entabeni yami eyingewe, entabeni yokupakama kwa seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova, lapo ba ya ku ngi konza bonke abendhlu ya seIsraeli, ku be kona bonke impela abasezweni: nalapo ngi ya ku bankela, nalapo ngo biza iminikelo yenu, nezihloko zezipo zenu, nako konke okuyingewe kwenu.

41 Ngo namkela nempopo emnandi lapo ngi ni pumisa kubantu, ngi ni bute kuwo amazwe e ni hlakaziwe kuwo; ngi ya ku ti ngenziwe ngewele kini emehlweni ezizwe.

42 Futi ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngi ni zise emhlabatini wa seIsraeli, ezweni e nga pakamisa isandhla sami uku nika lona kubo oyihlo benu.

43 No ti ni kumbule lapo izindhlehla zenu, nezenzo zenu zonke e ni ngecoliswe kuzo; ni ya ku dineka emehlweni enu futi ngokubi konke e ni kwenzileyo.

44 Ni ya kuti nazi ukuba ngi nguJehova lapo ngenzile kini ngenxa yegama lami, ku nga bi njengezindhlehla ezimbi zenu, na njengezenzo zenu ezizondekileyo, Ndhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

45 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi loku ti.

46 Ndadana yomuntu, bhakisa ubuso bako ngendhlehla ya seningizimu, u shumaye ngezeansi, wazise nga kulo ihlati la seningizimu:

47 U tyo kulo ihlati la seningizimu, yizwa izwi lika Jehova; Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bhaka mina ngo pemba umlilo pakati kwako, wo dhla wona kuwe imiti yonke emanzi, nemiti yonke

eyomileyo: ilangabi elivutayo a li yi ku cima, ko ti ku hamulwe kulo ubuso bonke ba seningizimu nyenyakato.

48 Futi inyama yonke yo bona ukuba mina Jehova ngi wu basile; a u yi ku cima.

49 Lapo nga ti Au! Nkosi Jehova, ba tyo kimi, ukuti, A ka fauekisi ngezifaniso yena na?

ISAHLUKO 21.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jcho-va kimi lokuti,

2 Nnodana yomuntu, bhekisa ubuso bako kulo iJeruselema, u tele izwi kuko okuyingewe, wazise nga kulo izwe la seIsraeli;

3 U tyo kulo izwe la seIsraeli, ukuti, Njalo u tyo uJehova; Bheka mina ngi melene nawe, ngo ti ngi koke inkemba yami esikwameni sayo, ngi nqume kuwe olungileyo nomubi.

4 Ngenxa yokuba ngi ya kunquma kuwe olungileyo nomubi, nga loku inkemba yami yo puma esikwameni sayo nga pezu kwenyama yonke ku pume eningizimu ku ye enyakato.

5 Ko ti inyama yonke i ya kwazi ukuba mina Jehova ngi kokile inkemba yami esikwameni sayo; i nga yi ku buya futi.

6 Kepa wena Nnodana yomuntu, ma u lingoze ngokudabuka kokalo lwako; na ngomunyu wo lingozo emehlweni abo.

7 Ku ya kuti uma be tyo kuwe, ukuti, U lingozelani na? lapo wo pendula, Ngenbiko ngokuba i ye za; ko ti izinhliziyi zonke zi nebilike, nezandhla zonke zo dangala, nemimoya yonke yo saba, namadolo onke o guquka amanzi; bheka i ye za, i ya kwenziwa, i tyo iNkosi uJehova.

8 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi lokuti.

9 Nnodana yomuntu, yazisa, u tyo ukuti, Njalo u tyo uJehova; Yi tyo ukuti, Inkemba, inkemba i loliwe, i kuhluziwe:

10 I lollelwe ukubulala ngokubulala; i loliwe ukuze i be nokukazimula: si ngetaba na? uti lwendodana yami, lu dela imiti yonke.

11 U te u yi nikele uku yi kuhluza, ukupata ngesandhla; yona inkemba i loliwe, yona i kuhluziwe uku yi nikezela esandhleni sombulali.

12 Kala u lile, Nnodana yomuntu: ngokuba i ya kuba pezu kwabantu bo-

nke, i ya kuba pezu kwezikulu zonke za seIsraeli; zi sa lahlelwa enkembeni kanye nabantu bami, ngako tyaya etangeneni lako.

13 Ngokuba u ya lingwa, kepa ko ba ini, a u yi ku ba umndeni odelayo futi na? i tyo iNkosi uJehova.

14 Kepa wena Nnodana yomuntu, yazisa, u tyaye isandhla pezu kwesandhla, inkemba ma i pindwe okwesitatu, inkemba yabahlatyweyo; yona i inkemba yabahlatyweyo abakulu e ba vimbezelayo.

15 Ukuze inhliziyi i nebilike, nezikubekiso zande, ngi bekile ukukazimula kwenkemba nga kuwo onke amasango abo; au! yenziwe i kazimule, i sougelwe ukubulala.

16 Hlangana ngesokunene, qapela ngesokohlo, lapo ubuso bako bu kombona.

17 Futi minake ngo tyaya isandhla pezu kwesandhla, ngi pumuze intukutelo yami; Mina Jehova ngi tyilo.

18 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

19 Wenake Nnodana yomuntu, bhekisa kuwe izindhlela ezimbili, ukuze ku fike inkemba yenkosi ya seBabulona; ezimbili zo puma kulo izwe linye; kepa ma u zenzele indawo, u zenzele esihlokweni sendhlela yomuzi.

20 Misa indhlela ukuze inkemba i ze eRabati lamadodana kaAmoni, na kuJuda eJeruselema eli inqaba.

21 Ngokuba inkosi ya seBabulona ye ma ngasekubhukaneni kwendhlela, ngasesihlokweni ezindheleni ezimbili, ukubula ngokubula; i ya zamazisa imisebe, i buze izitombe, i beke esibindini.

22 Kwesokunene sake kwa ba kona ukubula ngeJeruselema, ukubeka izinqama zokubeta, ukukamisa umlomo ngokubanga umsindo, ukupakamisa izwi ngenxokozelo, ukubeka izinqama zokubeta ngasemasangweni, ukuqonga udonga, nokwaka inqaba.

23 Ko ti ku be kubo ukubula oku ize emehlweni abo, kubo a ba funga izifungo: kepa yena u kumbuzo okubi ukuze ba banjwe.

24 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba nenze ku kunjulwe okubi kweni, ekubonakaliseni kwezono zenu, zi bouwe izono zenu emisebenzini yonke yenu; ngokuba ni sa kumbula, ni zo banjwa ngesandhla.



25 Nawe nkosi ya seIsraeli engcolileyo embi, usuku lwako se lu fikile, esikatini okubi ku nokupela ngaso.

26 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Susa umshuqulo wetule umewazi; lo a si wo wona, ukupakamisa otobekileyo noku tobisa opakamileyo.

27 Ukugumbuqela, ukugumbuqela, ukugumbuqela ngo ku beka; futi loku a ku yi ku ba kona, a ze a fike yena o kwahlula ku kuye; ngo ti ngi m nike kona.

28 Kepa wena Ndodana yomuntu, yazisa u tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova ngamadodana a seAmoni, na ngehlazo lobo; yityo pela, Inkemba, inkemba ekokiweyo; ngokubulala i kulhluziwe ukuqeda ngenxa yokukazimula.

29 Ekuboneni kwako oku ize, ekubuleni kwako oku namanga, uku ku nikela ezintamweni zabahlatywayo ababi, abosuku lwabo se lu fikile, esikatini okubi ku nokupela.

30 Yi buyisele esikwameni sayo, Ngo kwahlula endaweni lapo wa dalwa kona, ezweni lokuzalwa kwako.

31 Ngo telela pezu kwako intukutelo yami; emlilweni wolaka lwami ngo futa pezu kwako, ngi ku nike esandhlani sabantu aba nolaka, abalumbi bokububisa.

32 Wena wo ba ukudhla kuwo umlilo; igazi lako li ya kuba pakati kwezwe; a u yi ku kunjulwa; ngokuba mina Jehova ngi tyilo.

ISAHLUKO 22.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Kepa, wena Ndodana yomuntu, wo wahlula, wo wahlula umuzi wezingazi na? yebo, wo kwazisa wona konke ukunengeka kwawo.

3 Wo ti u tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Umuzi u ya palaza igazi pakati kwawo, ukuze isikati sawo si fike, wenze nezitombe ngakuwo ukuzingcolisa.

4 Ngegazi lako o li palazileyo u pansi kwecala; u zingcolisile na ngezitombe zako o zenzileyo; u sondezile nezinsuku zako, u fikile nasemnyakeni wako; nga loku ngi ku nikile u be ukudelwa kuzo izizwe, u be nokuhlekiswa kuwo amazwe onke.

5 Aba seduze, naba kude nave ba ya ku hlekisa wena, o ngcolile ngegama, o gewele ukukatazeka

6 Beka izikulu za seIsraeli za ba pakati kwako ilesi emaudhleni aso ukupalaza igazi.

7 Ba delile uyise nonina kuwe; benzile ukwamuka kumfokazi pakati kwako; inkedama nomfelokazi ba ba hlupile kuwe.

8 Okuyingewele kwami u ku delile, namasabata ami u wa ngcolisile.

9 Ba kona kuwe abantu abancetazayo ukuze ba palaze igazi; futi aba kuwe ba ya dhla ezintabeni; ba ya kwenza okubi pakati kwabo.

10 Ba hlubule ubuze buka yise kuwe; ba m tobisile yena ongcilileyo ngokuqaka kuwe.

11 Futi umuntu wenzile ukunengeka nomfazi wowakelene naye, nomunye u ngcolisile umalukazana wake ngokwenza kabi, nomunye o kuwe u tobisile udade wabo indodakazi kayise.

12 Ba tabatile umvuzo kuwe ukuze ba palaze igazi; u tabatile inzuzo neseleko, u pangile abakelene nawe ngokwamuka, futi u ugi kohlile i tyo iNkosi uJehova.

13 Bhekake ngi tyayile isandhla sami ngokupanga kwako o kwenzileyo, na ngenxa yegazi e be li kona pakati kwako.

14 Inhliziyo yako i ngema, nezandhla zako zi nga qina ngezinsuku e ngenzana nawe ngazo na? mina Jehova ngi kulumile, ngi ya kwenza belu.

15 Ngo ti ngi ku hlakaze pakati kwezizwe, ngi ku sabalalise emazweni, ngi pelise ubuncola bako kuwe.

16 Futi wo wabela amafa pakati kwako emehlweni ezizwe, wazi ukuba ngi nguJehova.

17 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

18 Ndodana yomuntu, indhlu ya se-Israeli i be kimi inyele; bona bonke ba yitisi, netine, nensimbi, nomtofu pakati kwesitando; ba inyele lesiliva bona.

19 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; ngokuba ni ze nina nonke ni be inyele, ngako bhaka, mina ngo ni hlanganisa ngapakati kweJerusalem.

20 Njengokubutana kwesiliva, netusi neusimbi, nomtofu nokete ngapakati kwesitando ukufutela umlilo pezu kwawo, uku wa neibilikisa; njalo ngo ni buta ngolaka lwami, na ngokuvuta kwami, ngi ni shiye ngi ni neibilikise.

21 Yebo ngo ni buta, ngi futele pezu kwenu emlilweni wentukutelo yami, ni ya kuncibilikiswa pakati kwawo.

22 Njengaloku isiliva li ya neibiliki-swa pakati kwesitando, njalo nina no neibilikiswa pakati kwawo; ni ya ku ti nazi ukuba mina Jehova ngi telile ukuvuta kwami pezu kwenu.

23 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, ukuti.

24 Nnodana yomuntu, yityo kulo ukuti, Wena u yizwe eli nga hlanzanga, lona a li linelwangwa ngosuku lolaka.

25 Ku kona ukucebana kwabazisi balo pakati kwalo, njengengonyama egwawumayo, i ya halela impango; ba dhilele imipefumlo; ba tabatile ingebo nama-gugu; ba wandisile amadikazi alo pakati kwalo.

26 Abateteleli babo ba wapula umteto wami, ba ngcolisile okuyingewele kwami: a ba hlukanisanga pakati kokuyingewele noku nge ngewele, a benzanga ukwahluka pakati, kokungahlanzeki nokuhlazekileyo, ba fihlile amehlalo abo kuwo amasabata ami, ngi ngcolisiwe pakati kwalo mina.

27 Izikulu zalo pakati kwalo zi nje-ngezimpisi zi halela impango, uku palaza igazi, noku bubisa imipefumlo, ukupanga impango.

28 Ba ti abazisi balo ba zi nindile ngodaka olu nga vutwayo, be bona oku ize, be bula amanga kubona, be ti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, kanti uJehova a ka tyongo.

29 Abantu bezwe ba hlupile ngokuhlupa, bamukile ngokwamuka; Yebo ba hlupile ofikileyo ku nge ngokulunga.

30 Nga ti nga funisela umuntu wabo o biya utango, e mi esikaleni pambi kwami ngasezweni, funa li citwa; kanti a ngi fumananga.

31 Kepa ngi telile pezu kwabo ulaka lwami; ngi ba qedile ngomlilo wentukutelo yami: ngi pindisele indhlela yabo pezu kwamakanda abo, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 23.

**K**WA ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Nnodana yomuntu, za ba kona izifazana ezibili, amadodakazi omfazi mune;

3 Za ti za pinga, Egipite; za pinga ebutyeni bazo; lapo za donsisa amabele azo, na lapo za eizdelala imibele yokutomba kwazo.

4 A ti amagama azo a be uAhala o yisikulu, noAholiba udade wabo; za be zi ezami zona, za ti za zala amadodana na-

madodakazi, A ti amagama azo a iSamaria uAhala, neJerusalema uAholiba.

5 Wa ti, uAhala wa pinga e se owami; wa kanukela abatandi bake, a ba ti, aba seAshuri aba seduze naye.

6 Be gqoka okuluhlaza ababusi nezin-duna, amadoda amatya a mahle onke, izinkweli zi kwele emahashini.

7 Yena wa nika ukupinga kwake ku bona, bonke abahle bamadodana ba seAshuri, na ngabo bonke a ba kanukelayo yena; na ngazo zonke izitofube wa zingcolisa.

8 Futi ukupinga kwake kwa sEgipite a ka ku yekanga; ngokuba ba lala naye ebutyeni bake, bona ba eizdelala imibele yokutomba kwake, ba tela ukupinga kwabo pezu kwake.

9 Ngako ngi m nikile esandhleri sabatandi bake, esandhleri sabaAshuri a ba kanukelayo yena.

10 Bona ba hlubula ubunqunu bake; ba tabata amadodana ake namadodakazi ake, kepa ba bulala yena: wa ba negama pakati kwabafazi; ba kwenza ukwahlula pezu kwake.

11 Lapo udade wabo uAholiba wa bona, wa ngecolisa ukukanuka kwake ku naye, nokupinga kwake nga pezu kokupinga kuka dade wabo.

12 Wa kanukela amadodana a seAshuri, ababusi nezinduna ezi seduze naye, be gqoke okuhle impela; izinkweli zi kwele emahashini, amadoda amatya amahle onke.

13 Nga se ngi bona ukuba wa zingcolisa, indhlela inye i be kubo bobabili.

14 Futi wa pinda ukupinga kwake; wa ti wa bona amadoda a fanekiswa odongeni imifanekiso yabaKaldea be fanekiswa ngebonvu.

15 Be binca izibopo okalweni lwabo, be vama nemishuqulo e namabala, ngokomkuba wamadodana a seBabulona eKaldea, izwe lokuzalwa kwabo.

16 Wa ti ukubona ngamehlo ake, wa kanukela bona, wa tuma izigijmi kubo eKaldea.

17 Kepa amadodana a seBabulona e za kuye okukweni lotodano, a m ngecolisa ngokupinga kwawo, wa ti wa ngecoliswa iwo, wa ti umpefumlo wake wa hlukaniswa kuwo.

18 Wa bonisa ukupinga kwake yena, wa bonisa nobunqunu bake; kwa ti umpefumlo wami wapulwa kuye nje-ngaloko umpefumlo wami wapulwa kuye udade wabo.

19 Kepa wandisa ukupinga kwake, ngokukumbula izinsuku zobutya bake, e be e pingile ngazo ezweni la sEgipite.

20 Wa ti wa kanukela abatandi bake a benyama yabo i yinyama yezinibongolo, nokutela kwabo ku ukutela kwamashashi.

21 U ti u kumbula ukwenakala kobutya bako, ekucindezeleni Egipite imibele ngenxa yamabele obutya bako.

22 Ngako, Aholiba, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi ya kuvusa abatandwa bako ngakuwe, umpfumlo wako u hlukaniswe kubo, ngi ya ku ba zisa pezu kwako ekuzungezeni.

23 Amadodana a seBabulona naba-Kaldea bonke, uPekodi, noShoa noKoa, onke amadodana ka Ashuri kanye nabo; amadoda amatya amahle onke, abakulu, aba nodumo, abakwele emashashini bonke.

24 Ba ya kuti be ze ngakuwe be nezikali, nezincwele, namasondo, nebandhla labantu, ba mise ngakuwe ngasekuzungezeni isihlangu nehau nesigqoko; ngo beka pambi kwabo ukwahlula, ba kwahlule njengokwahlula kwabo.

25 Ngo ti ngi beke umona wami nga kuwe, ba ku pate ngokuvuta, ba suse impumulo yako nezindhlebe zako; insali yako i ya kuwa ngenkamba, ba tabate amadodana ako namadodakazi ako; nokuseleyo kwako ko dhliwa umlilo.

26 Ba ya kuhlubula izambato zako, ba tabate izivunulo zokuhloba kwako,

27 Ngo ti ngi pelise ukonakala kwako nokupinga kwako okwasezweni la sEgipite: a u yi ku pakamisa amehlo ako kuko, u nga kumbuli iEgipite futi.

28 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngo ku nikela esandhleni sake o m zodayo, esandhleni sabo umpfumlo wako u hlukanisiwe kubo.

29 Bo ti ba ku pate ngenzondo, ba tabate inzuzo yako yonke, ba ku shiye u ze, yebo uze; ubuze bokupinga kwako bo hlubulwa, yebo ukonakala kwako, nokupinga kwako.

30 Ngi za kwenza loku kuwe ngokuya kwako eniva kwezizwe ukupinga, ngokuba u ngecoliswe ngezitombe zazo.

31 U hambile ngendhlela yodade wenu, ngi ya kuti ngi nike umkele wake esandhleni sako.

32 Njalo i tyo iNkosi uJehova wo puza umkele wodade wenu ukujula no-

bubanzi bawo: wo ba nokuhlekwa nokulaulelwa; kukulu ukupatwa.

33 Wena wo gewaliswa ukudakwa nokudabuka, umkele wokusabeka nokuciteka, umkele wodade wenu iSamaria.

34 Wena wo puza wona, u wu kotuluzo u hlafune izihlepu, u hlepule amabele ako; ngokuba mina ngi kulumile i tyo iNkosi uJehova.

35 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, ngokuba u ngi kohlile u ngi lahlile emva komhlana wako, ngakoke pata wena ukonakala kwako nokupinga kwako.

36 Lapo uJehova wa tyo kimi ukuti; Ndodana yomuntu, wo mahlula uAhala noAholiba na? ba bonise pela ukungeka kwabo.

37 Ngokuba ba pingile, igazi li sezandhleni zabo, ba pingile nezitombe zabo, futi amadodana abo a ba wa zele kimi ba wa dhlulisela wona emlilweni uku wa tyisa.

38 Futi benzile loku kimi; bonakalisile okuyingewele kwami ngalo lona lolo usuku, ba ngecolisile amasabata ami.

39 Ba ti ukububisa amadodana abo ezitombeni, be za pakati kokuyingewele ngalo lona usuku uku ku ngecolisa; bhekake, benze njalo pakati kwendhlu yami.

40 Futi ngokuba u tumele amadoda a vele kude, isitunywa sa tunywa kuwo, bhekake, e za: o wa zihlanzela wona, wa wa becela amehlo ako, wa wa hlobela izivunulo.

41 Wa hlala embedeni omuhle, u ne-tebula elilungiselwe pambi kwawo, o bekile pezu kwalo impepo yami nama-futa ami.

42 Futi izwi labaningi aba hlezi nje kuye: futi kanye nabantu abavamayo, abantu abaSabea a ba veliswe ehlane, a ba faka amasongo ezandhleni zabo, nemecele emihle emakanda abo,

43 Nga se ngi ti kuye o pelele ekupingeni. Ba zo funa ukupinga naye, yena nabo na?

44 Ba ti ba ngena kuye njengaloku ba ngena kumfazi o isifebe, njalo na ngena kuAhala na kuAholiba, abafazi abonakalayo.

45 Ko ti abantu abalungileyo ba bahlule ngokwahlula kwabafazi abapingayo, na ngokwahlula kwa ba palaza igazi; ngokuba ba izipingi bona, futi igazi li sezandhleni zabo.

46 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJe-

hova, Ngo leta ibandhla pezu kwabo, ngi ba nikela ukukatazeka, nokupangwa.

47 Ko ti ibandhla li ba kande ngamanye li ba qobe ngezinkemba zalo; li ya kubulala amadodana abo, namadodakazi abo, li tyise izindhlu zabo ngomlilo.

48 Ngo ti ngi pelise ukonakala ezweni; futi abafazi bonke ba ya kufundiswa, ba ngenzi njengokonakala kwenu.

49 Ba ya kuti ba pindisele ukonakala kwenu pezu kwenu, ni ya kupata nezono zezitombe zenu; nazi ukuba mina ngi yiNkosi uJehova.

ISAHLUKO 24.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova ngomnyaka wesishiyagalolunye, ngenyanga yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, loba wena igama losuku, ukuti lona usuku lolo; inkosi ya seBabulona ya sondela kuJerusalema nga lona usuku lolo.

3 Fanisa ngomfanekiso kuyo indhlu epambeneyo, u tyo kubo, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Faka ibodwe, li fake, u teleke amanzi pakati kwalo.

4 U beke pakati kwalo izinxenye zalo, zonke izinxenye ezihle, isito, nomkono; li gewalise amatambo amahle.

5 Tabata okuketiweyo komhlambi, u qongeke amatambo pansi kwalo, u li bilise ngokubila, ma ba peke amatambo ako pakati kwalo.

6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Maye kumuzi wezingazi, kulo ibodwe okugwala kwalo ku pakati kwalo, futi ukugwala a ku pumanga kulo! kipa kulo izinxenye zalo ngezinxenye, ma i nga weli pezu kwalo inkato.

7 Ngokuba igazi lawo li pakati kwawo; wa li beka pezu kwedwala elomileyo; a wa telanga emhlabeni uku li sibekela ngomhlabati.

8 Ukuze ku vuse ukuvuta uku pindisela ngempindiselo; ngi bekile igazi lawo pezu kwedwala elomileyo funa li sibekelwe.

9 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova, Maye kumuzi wezingazi! ngo wenza u be mkulu umqongo wokutyiswa.

10 Yandisa izinkuni, u base umlilo, u qede inyama u zwakalise ngamaka, ma ka tyiswe amatambo.

11 Futi li mise pezu kwamalahle awo li ize ukuze li fudumale li tye itusi

lalo, ukungcola kwalo ku nebilikiswe pakati kwalo, ukugwala kwalo ku qedwa.

12 Ku inkatazo ukugwala, futi ukugwala okukulu kwalo a ku pumanga kulo; ukugwala kwalo ku semlilweni.

13 Ekungcoleni kwako kuko ukonakala; ngokuba ngi ku hlanzile, kanti a u hlanzeki, a u yi ku hlanzwa kuko ukungeola kwako futi, ngi ze ngi hlalisile ukuvuta kwami.

14 Mina Jehova ngi kulumile, ko fika, ngi ya kwenza, a ngi yi ku yekela, a ngi yi ku haukela, a ngi yi ku dabuka, njengezindhlela zako, na njengezenzo zako ba za kwahlula wena i tyo iNkosi uJehova.

15 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti,

16 Ndodana yomuntu bheka mina ngo susa kuwe intokoziso yamehlo ako ngokutyaywa; Kodwa u nga kali, u nga lili, ma zi nga veli nezinyembezi zako.

17 Lingoza ngokutula, u ngenzi isililo sabafileyo; bopa umshuqulo wako pezu kwako, u fake nezicatulo zako ezinyaweni zako, u nga sibekeli izindebe zako, u nga dhli isinkwa sabantu.

18 Nga se ngi kuluma kubantu kusasa, kwa ti kusihlwa umkami wa fa; nga ti ngenza ekuseni njengaloko e nga yalwala kona.

19 Lapo abantu ba ti kimi, A u yi ku si tyela se ku yini loku kuti, ngokuba wenza njalo wena na?

20 Nga se ngi ti kubo, Izwi lika Jehova la ba kona kimi, lokuti.

21 Yi tyo kuwo amadodana a seIsraeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; bheka mina ngi ya kungecolisa okuyingewele kwami, ubuhle bamandhla enu, intokoziso yamehlo enu, okuhaukelwa umpefumlo wenu; ko ti amadodana enu namadodakazi enu e ni wa shiyileyo o wa ngenkemba.

22 Ku ya kuti nenze njenga loku ngenzile mina: a ni yi ku sibekela izindebe zenu, a ni yi ku dhla isinkwa sabantu.

23 Imishuqulo yenu yo ba emakanda kini, nezicatulo zenu ezinyaweni zenu; a ni yi ku kalela, a ni yi ku lila; kepa ni ya ku zaca ezipambekweni zenu, ni dabuke umuntu nomhlobo wake.

24 Ko ti uHezekeli a be kini umboniso; njengako konke a kwenzileyo yena ni ya kwenza; ekuzeni kwaloku, ni ya kwazi ukuba ngi yiNkosi uJehova.

25 Keba, wena Ndodana yomuntu, a ku yi ku kwenziwa yini nga lomhla e ngi susa ngawo kubo amandhla abo, a ba beka umpfumlo wabo kuko, amadodana abo namadodakazi abo, ukuti,

26 Yena o pepayo nga lomhla wo za kuwe, uku ku zwisa ngezindhlebe zako.

27 Nga lolosuku umlomo wako wo kamiswa kuye o pepayo, u kulume, u nga tuli futi; ko ti u be umboniso kubo; Ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

ISIAHLUKO 25.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Ndodana yomuntu, bhakisa ubuso bako nga kuwo amadodana ka Amoni, wazise nga kuwo.

3 U tyo kumadodana ka Amoni Yizwani izwi leNkosi uJehova; Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba wa ti, Aha, nga kuko okuyingewele kwami lapo kwa ngcoliswa kona; na nga kulo izwe la seIsraeli lapo la citakala kona; na nga kuyo indhlu ya seJuda lapo ya tunjwa kona;

4 Ngako bhaka mina ngi ku nikela kumadodana a sempumalanga u be ifa; a ya kubeka amatanga awo pakati kwako; wona a ya kudhla isitelo sako, a puze nobisi lwako.

5 Ngo ti ngenze iRaba indawo yokupumula yamakameli, namadodana a seAmoni indawo yokucambalala kwezimvu; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

6 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u tyayile isandhla, u betile ngonyawo, u jabulile ngokudela konke kwako empfumulweni nga kuwo umhlabati wa seIsraeli;

7 Ngako bhaka mina ngo selula isandhla sami pezu kwako, ngi ku nikele u be ukudhla kuzo izizwe; futi ngo ku nquma kubantu, ngi ku bubise emazweni; ngo ku cita; wo ti wazi ukuba ngi nguJehova.

8 Njalo i tyo iNkosi; Ngokuba uMoabi noSira ba tyo, Bhaka, indhlu ya seJuda i njengezizwe zonke;

9 Ngako bhaka, mina ngo vula icele la seMoabi kuyo imizi, kuyo imizi yalo e nga seceleni lalo, ubuhle bezwe iBethjesimote, neBaal-meoni, neKiritami.

10 Kuwo amadodana a sempumalanga nga kuwo amadodana kaAmoni, ngo wa nika a be ifa ukuze amadodana kaAmoni a nga kunjulwa pakati kwezizwe.

11 Futi ngi ya kwenza ukwahlulela pezu kwabaMoabi, bo ti bazi ukuba ngi nguJehova.

12 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenxa yokwenza kwabo abakwaEdomi ekupindiseleni impindiselo kuyo indhlu ya seJuda, bonile ngokona, ba pindisela kuwo.

13 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo selula isandhla sami pezu kweEdomi ngi nqume kulo umuntu, nesiwane; ngi lenze li be icitakalo ku suke eTemani; nabaDedani ba ya kuwa ngenkamba.

14 Ngi ya kuti ngi beke impindiselo yami pezu kweEdomi ngesandhla sabantu bami abaIsraeli; bona ba ya kwenzisa eEdomi njengolaka lwami, na njengokuvuta kwami; Ku ya kuti bazi impindiselo yami i tyo iNkosi uJehova.

15 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenxa yokwenza kwabaFilisti ekupindiseleni, ba pindisela impindiselo ngokudela kompefumlo, ukucita ngenzondo ya sendulo.

16 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bhaka mina ngi selula isandhla sami pezu kwabaFilisti, ngo nquma abakereti, ngi cite insalo yolugu lolwandle.

17 Ngo ti ngenze pezu kwabo impindiselo, izilungiso ezikulu zentukutelo: bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, uma ngi beke impindiselo pezu kwabo.

ISIAHLUKO 26.

**K**WA tike ngomnyaka weshumi nanye, ngosuku lokuqala lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu ngokuba iTire li tyilo nga kulo iJerusalema, ukuti, Aha, li fohloziwe e li be isango labantu; li guqulele kimi; ngo gewala, se li citakalisiwe.

3 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bhaka, mina ngi pezu kwako Tire, ngo ti ngi kupulele izizwe eziningi pezu kwako, njengolwandhle lwenyusa amaza alo.

4 Zi ya kuti zi cite izindonga za seTire, zi wise pansi izinqaba zalo: Futi ngo sula utuli lwalo kulo, ngenze lona njengedwala elomileyo.

5 I ya kuba indawo yokweneka amaneta pakati kolwandle; ngokuba mina ngi tyilo, i tyo iNkosi uJehova; Lona li ya kuba impango kuzo izizwe.

6 Futi amadodakazi alo a senhlabatini a ya kububiswa ngenkema; bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

7 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova mina ngo leta pezu kweTire uNebukadrezari inkosi ya seBabulona e vela enyakato, e inkosi yamakosi, e namahashi nezinevele nezinkweli, nebandhla, nabantu abaningi.

8 Wo bubisa amadodakazi ako emhlabatini ngenkema: Futi wo beka inqaba nga kuwe a qonge udonga nga kuwe, a pakamise nga kuwe isihlangu.

9 Nokutyaya kwenqama yokubeta wo ku nika ezindongeni zako, nezinqaba zako wo zi wisa pansu ngamazembe ake.

10 Ngokuvama kwamahashi ake utuli lwawo lo ku sibekela: ngenhlokomo yezinkweli, namasondo nezinevele izindonga zako zo zamazama ekungeneni kwake pakati kwamasango ako njengabanganyo emzini odabuliweyo.

11 Ngezinselo zamahashi ake wo nyatela izindhlela zonke zako; wo bubisa abantu bako ngenkema, namatanga amandhla ako a we pansu.

12 Ba ya kupanga ingcebo yako, ba bambe intengo yako; ba wise pansu izindonga zako, ba hlakaze izindhlu ezinhle zako; ba ponse amatye ako nemiti yako, notuli lwako emanzini.

13 Ngi ya kuti ngi tulise umsindo wokuhlabelela kwako; nokukala kwezi-ngubu zako a ku yi kuzwiwa futi.

14 Futi ngi ya kwenza wena njengedwala elomileyo, wo ba indawo yokweneka amaneta; a u sa yi kwakiwa futi: ngokuba mina Jehova ngi tyilo, i tyo iNkosi uJehova.

15 Njalo i tyo iNkosi uJehova kuTire; Iziqingi a zi yi ku zamazama ini, ngodumo lokuwa kwako, ekukaleni kwabagwazwayo, ekubulaweni kwabulalwayo pakati kwako na?

16 Lapo amakosi onke olwandhle a ya kwehla ezihlalweni zawo zobukosi a suse izingubo zawo, a hlubule izanibato zawo zomfeketiso: a zo gqoka ukututumela; a hlale emhlabatini, a tutumele ngezikatyanu zonke a dunale.

17 A ya kuti enze isililo pezu kwako, a ti kuwe, U citekile kanjani wena o wakiwe ngaba a bolwandhle, muzi odu-nyisiweyo, o be namandhla elwandhle, wona nabahlezi kuwo a benza ukwesha kwabo kubo bonke a ba hlezi kuwo.

18 Kaloku iziqingini zo tutumela ngosu-

ku lokuwa kwako; yebo iziqingini ezi selwandhle zo katazeka ngokumuka kwako.

19 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Lapo ngo kwenza kona u be umuzi osabalalekayo, njengemizi e nge nabahleziyo; lapo ngo kupula, kona ulwandhle pezu kwako, namanzi amaningi o ku sibekela.

20 Lapo ngo kwehlisa kona nabo abehlela emgodini, rabantu ba sendulo, ngi ku hlalise emhlabeni ongapansi, ekucitakaleni kwasendulo, nabo abeukela emgodini, ukuze u ngakiwa; lapo ngo beka kona ubuhle ezweni labapilayo;

21 Ngo kwenza u be ukucitakala, u nga bi sa biko, ko ti u funisiselwe, kepa a u yi ku funyanwa futi ku ze ku be pakade, i tyo Nkosi uJehova.

### ISAHLUKO 27.

**K**WA ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Kaloku, Wena ndodana yomuntu, pakamisa isililo pezu kweTire.

3 Yityo kuTire, Wena o hlezi ngasekungeneni kolwandhle, u umtengi wabantu kuzo iziqingini eziningi, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Tire, wena u tyilo ukuti, ngi ngubuhle obupelele.

4 Amacele ako a senhliziyweni yolwandhle, abaki bako ba pelelisile ubuhle bako.

5 Bakile ngomberoshi wa seSeniri onke amaplankwe ako; ba tabatile isedare la seLebanoni ukwenza insika yako.

6 Amaeloni a seBashane ba wenzile amapini ako; izihlalo zako abantu ba seAshuri ba zenzile ngopondo lwendhlovu olu vele eziqingini za seKिति.

7 Ilineni e li nomfeketiso li vele Egipte lenekwa nguwe li be indwangu yokubonisa yako; okuluhlaza nokubomvu ku vele eziqingini za seElisha ku be ukwambata kwako.

8 Abakileyo ba seSidoni, neArvadi ba be abagwedhli bako; abahlakanipileyo bako, Tire, a ba be kuwe, bona ba be abahambisi bako bemikumbu.

9 Abadala ba seGebali nabahlakanipileyo balo ba be kuwe abavimbi bako bezimfa; imikumbu yonke yolwandhle nabantu bolwandhle bayo ba kona kuwe ukutenga entengweni yako.

10 Bona ba seParasi neLudi neFuti, ba be sempini yako, abantu bako bokulwa; ba panyeka isihlangu nesigqoko

sensimbi pakati kwako; ba nikile ukuvunula kwako.

11 Amadodana ka Arvadi a be kanye nempi yako pezu kwezindonga zako ekuzungezeni, namaGamadi a be sezinqabeni zako: ba panyeka izihlangu zabo ezindongeni zako ekuzungezeni; bona ba peletisile ubuhle bako.

12 iTarshishi li be umtengi wako ngokuvama kwengebo yonke; kanye nesiliva, nensimbi, nokete nomtoku, ba wa beka emavinkilini ako.

13 iJavani, neTubali, neMesheki, bona ba be abatengi bako; ba beka entengweni yako umpfumlo wabantu, nezitya zetusi.

14 Bona abendhlu kaTogarma ba beka emavinkilini ako amahashi nezinkweli nezimbongolo.

15 Amadodana kaDedani a be abatengi bako; iziqingini eziningi zi be abatengisi besandhla sako; ba buyisa upondo lwendhlovu, ne eboni ku be isipo sako.

16 iAramu li be umtengi wako ngokuvama kwemisebenzi yako; ba beka emavinkilini ako amatye amahle, nokubomvu, nomsebenzi womfeketiso, neleneni nekorali nerube.

17 iJuda nezwe la seIsraeli bona ba be abatengi bako; ba beka entengweni yako ukolweni wa seMiniti nePanagi, nezinyosi, namafuta, ne balsamu.

18 iDamaskusi li be umtengi wako ekuvameni kwemisebenzi yako, ngokuvama kwengebo yako yonke; ngewaiui la seHelboni, noboya obumhlope bezimvu.

19 iDani neJavani be hambela ba beka emavinkilini ako; insimbi enhlope, nekasia, nekalamusi, li be entengweni yako.

20 iDedani li be umtengi wako nezindwangu zezinewe.

21 iArabia, namakosi onke a seKedari a be abatengi besandhla sako ngezimvana, na ngezinqama, nezimpongo; nga lezi a be abatengi bako.

22 Abateugi ba seSeba neRama, ba be abatengi bako; ba bhaka emavinkilini ako ngamaka onke amnandi, na ngamatye onke amahle, na ngegolide.

23 iHaranu neKane, neEdene abatengi ba seSheba, neAshuri, neKilmadi ba be abatengi bako.

24 Bona ba be abatengi bako, ngezinto ezipheleleyo, ngezingubo zokuluhlaza, nezomfeketiso, na ngemipongo yezingubo zomfeketiso, i nemicilo ebotyweyo, nesedare, pakati kwabatengi bako.

25 Imikumbu ya seTarshishi i be ehambelayo yako entengweni yako; futi wa gwaliswa, wa duma kakulu enhliziyweni yezilwandhle.

26 Abagwedhli bako ba ku zisile emanzini amakulu; umoya wa sempumalanga u wapulile enhliziyweni yezilwandhle.

27 Ingebo yako, namavinkili ako, nabolwandhle bako, naba hambisi bemikumbu bako, nabavimbi bako bezimfa, nabatengisi bamavinkili ako, nabantu bonke bako bokulwa, a ba be kuwe, nebandhla lonke eli se pakati kwako, ba ya kuwa kanye nawe enhliziyweni yezilwandhle ngosuku lokuwa kwako.

28 Ngezwi lokukala kwabahambisi bako bemikumbu izindawo ezingaphandhle zo zamazama.

29 Ba ya kweyuka emikunjini yabo bonke a ba pata isigwedhlo, abolwandhle nabahambisi bemikumbu bonke bolwandhle, be me emhlabatini;

30 Ba zwise izwi labo ngakuwe, ba kale ngomunyu, ba kupulele utuli pezu kwamakanda abo, ba zizingqele emlolini.

31 Ba zo zenza ba be izimpandhla impela, ba zibope ngamasaka, ba lilele wena ngokukatazeka kompufumlo, ngokulila okusabekayo.

32 Ko ti ekulileni kwabo ba pakamise ukukala ngawe, ba kale pezu kwako, be ti i mupi umuzi o njengeTire, njengocitakeleyo pakati kolwandhle?

33 Ekupumeni kwenzuzo yako kuzo izilwandhle, wa sutisa abantu abaningi; ngobuningi bengebo yako, nentengo yako wa fuyisa amakosi omhlaba.

34 Ngesikati o ya ku dabulwa ngaso izilwandhle ekujuleni kwamanzi, intengo yako nebandhla lonke lako pakati kwako i ya kuwa.

35 Abalilezi eziqingini bonke ba ya kudumala ngawe, namakosi azo o saba ngokwesaba, a tutumele ebusweni.

36 Abatengisi pakati kwezizwe ba zo neifa nga kuwe, wo ba incitakalo, u nga bi sa bi ko.

## ISIAHLUKO 28.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ntodana yomuntu, yityo kuyo inkosi ya seTire ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba inhliziywo yako i ya zipakamisa, u tyo, ukuti,

Ngi ngutixo, ngi hlezi esihlalweni sika Tixo, enhliziyweni yezilwandhle; kodwa wena u ngumuntu, a u siye uTixo, kepa u misile inhliziyo yako njengenhliziyu ka Tixo.

3 Bheka u hlakanipile wena kuDanyeli; a ba nge site imifihlakalo kuwe nayodwa.

4 Ngokuhlakanipa kwako na ngokugqonda kwako u zezele ingcebo, u tabatile igolide nesiliva ezinyangweni zako.

5 Ngokuvama kokuhlakanipa kwako, na ngokutenga kwako wandisile ingcebo, futi inhliziyo yako i pakamile ngengebo yako.

6 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u misile inhliziyo yako njengenhliziyu ka Tixo;

7 Ngako, bheka mina ngo zisa abafu pezu kwako abasabekayo bezizwe; bo ti ba koke izinkemba zabo ngakubo ubuhle bokuhlakanipa kwako, ba ngecolise ukukazimula kwako.

8 Ba ya kukwehlisela emgodini, wo fa ukufa kwabahlatyiweyo enhliziyweni yezilwandhle.

9 U sa ya kutyo ini ebusweni bake o ku bulalayo ngi nguTixo? Kodwa wo ba umuntu wena, u nga siye uTixo esandhleni so ku bulalayo.

10 Wo fa ukufa kwabangasokiweyo, ngesandhla sabafo: ngokuba mina ngi ku kulumile, i tyo iNkosi uJehova.

11 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti;

12 Ndodana yomuntu, pakamisa isililo pezu kwenkosi ya seTire, u tyo kuyo, Njalo i tyo iNkosi uJehova, U ya gqiba inhlanganiso e gwele ukuhlakanipa, e pelele ngobuhle.

13 U bu seEdene ensimini kaTixo; amatye anahle onke a be isibekelo sako, iodemi, ipiteda, iyahalomi, itarshishi, ishohamu, iyashefe nesafiri, inopeke ibarekati, ngolide; umsebenzi womabontya wako nemityingo yako wa lungiswa kuwe ngosuku lokwenza kwako.

14 Wena u yikerube eligcotyiweyo elizisibekelayo; nga ku beka mina; wa ba sentabeni eyingeweke kaTixo, wa zihambela pakati kwamatye omlilo.

15 Wa u lungile ezindhleleni zonke zaku ku suke osukwini o wa datyulwa ngalo, kwa za kwa funyanwa okubi pezu kwako,

16 Ngokuvama kwentengo yako ba gewalisile ngapakati kwako ngohlupo, wonile wena; ngo ku lahla njengouga-

hlanzekile entabeni kaTixo; ngi ya kuti ngi ku bulale wena kerubi elizisibekelayo ku suke pakati kwamatye omlilo.

17 Inhliziyo yako ya zipakamisa ngobuhle bako, u ngecolisile ukuhlakanipa kwako ngokukazimula kwako; ngo ku ponsa emhlabatini, ngo ku beka pamibi kwamakosi uku ku bona.

18 U ngecolisile okuningeweke kwako ngokuvama kokubi kwako, ngokubi kokutenga kwako; ngako ngo pumisa umlilo ku suke nga pakati kwako, wona wo ku dlala, futi ngo ku nikela emloleni emhlabatini emehlweni abo bonke a ba ku bonayo.

19 Bona bonke a ba kwaziyo pakati kwabantu, ba ya kudumala ngawe; wo ba ukucitakala u nga bi sa bi ko.

20 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

21 Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bako ngakulo iSidoni, wazise ngakulo.

22 U tyo ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, mina ngi nga kuwe Sidoni; ngo dunyiswa pakati kwako: futi ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngenzile kona izahlulelo kulo, na lapo ngi ya kuba ngeweke kona kulo.

23 Ngi ya kuti ngi tume kulo ukufa, negazi ezindhleleni zalo; futi abagwazwayo pakati kwalo baya kuwa ngenkomba pezu kwalo ekuzungezeni; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova.

24 Futi a ku sa yi ku ba kona kuye indhlu ya seIsraeli iliva elihlabayo, nameva a limazayo a vele kubo aba ba haqayo, a ba ba delayo; ba ya kwazi ukuba ngi iNkosi uJehova.

25 Njalo i tyo iNkosi uJehova ekuyihlanguaniseni kwami indhlu ya seIsraeli se be pumile kubantu a ba zihlakazile pakati kwabo, lapo ngi ya kweuziwa ngeweke pakati kwabo emehlweni ezizwe, lapo ba ya kuhlala emhlabatini e ngi wu nikile kuyo ineeuku yami uJakobe,

26 Ba ya kuti ba hlale ngokwetemba, bake izindhlu, ba tyale amasimu esinwazi, ba hlale ngokutemba, uma se ngenzile izahlulelo pezu kwabo bonke a ba ba delayo, a ba haqayo; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova uTixo.

ISAHLUKO 29.

**N**NGOMNYAKA weshumi, ngenyanga yeshumi ngosuku lweshumi nambili lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti;



2 Nnodana yomuntu, bhakisa ubuso bako nga kuye uFaro inkosi ya sEgipite, wazise nga kuye, na nga kulo iEgipite lonke.

3 Kuluma u tyo, ukuti, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, mina ngi nga kuwe Faro Nkosi ya sEgipite, ingwenya enkulu e lala emifuleni yayo, e tyilo ukuti, umfula wami u ngowami, ngi wenzile mina.

4 Kepa ngo faka isongo lami emihlatini yako, ngo namatela izinhlanzi zemifula yako kuzo izingqweewe zako, ngi ya kuti ngi ku kupule u pume emifuleni yako, futi izinhlanzi zonke zemifula yako zo namatela kuzo izingqweewe zako.

5 Ngo ti ngi kuponse pansiehlane wena nezinhlanzi zonke zemifula yako; wo wa wena ebusweni bomhlabati; a u yi ku hlanganiswa, a u yi ku butwa; Ngi ku nikile u be ukudhla kuzo izilwane zomhlabati, na kuzo izinyoni zezulu.

6 Bona bonke abahlezi Egipite ba ya kwazi ukuba ngi uJehova, ngokuba ba be intonga yohlanga kuyo indhlu ya seIsraeli.

7 Lapo ba ku bamba kona ngesandhla, wa coboza, wa dabula ihlombe lonke labo; na lapo bencika pezu kwako, wa fehleza, wenza lu me ukalo lonke lwabo.

8 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi ya kuzisa pezu kwako inkemba, ngi nqume kuwe umuntu nesilwane.

9 Ko ti izwe la sEgipite li be ihlane nencitakalo; ba ya kwazi bona ukuba ngi uJehova; ngokuba yena wa tyo, ukuti, Umfula u ngowami, ngi wenzile.

10 Ngako bheka mina ngi nga kuwe, ngi nga kuyo nemifula yako; futi ngo nikela izwe la sEgipite ekucitakaleni impela, ku be ihlane ku suke enqabeni ya seSyene ku ze ku be seceleni la seKushi.

11 A ku yi ku dabula kulo unyawo lomuntu, a ku yi ku dabula kulo nonyawo lwesilwane, a ku yi ku hlalwa kulo iminyaka i ngamashumi amane.

12 Ngo ti ngi beke izwe la sEgipite li be ihlane pakati kwamazwe a citakeleyo, nemizi yalo pakati kwemizi ebuleweyo yo ba incitakalo iminyaka e ngamashumi amane; futi ngo hlakaza aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni.

13 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova ekupeleni kweminyaka e ngamashu-

mi amane ngo buta aba sEgipite kuzo izizwe a ba hlakazwa kuzo.

14 Futi ngo buyise izitunjwa za sEgipite, ngi ba buyise ezweni la sePathrosi kulo izwe loku zalwa kwabo; ba ya kuba kona umbuso okotamekileko.

15 Li ya kuba okotamileyo kuyo imibuso; a li yi ku zipakamisa futi pezu kwezizwe; futi ngo ba ncipisa funa ba buse ezizweni.

16 Lona a li sa yi ku ba kuyo indhlu ya seIsraeli itemba, li kumbuze ububi bayo ekupendukeni kwabo emva kwabo; ko ti bazi ukuba ngi iNkosi uJehova.

17 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa, ngenyanga yokugala, ngosuku lokuqala lwenyanga la ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

18 Nnodana yomuntu, uNebukadrezari inkosi ya seBabulona, wenza impi yake i konze inkonzo enkulu nga kulo iTire; izinhloko zonke zenziwa zi be impandhla, namahlombe onke a gudhlu-lwe; kodwa wa e nge nankokelo, nempi yake, i vele ku Tire, ngenxa yenkonzo o wa yi konza nga kulo.

19 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nika uNebukadrezari inkosi ya seBabulona izwe la sEgipite; yena wo tabata isixuku, a geuge ingugeo yalo, a pange impango yalo; kona ko ba inkokelo yempi yake.

20 Ngenxa yomsebenzi a konza ngawo kulo ngi m nikile izwe la sEgipite, ngokuba ba ngi sebenzela i tyo iNkosi uJehova.

21 Nga lolusuku ngi ya kwenza lu kahlele upondo lwendhlu ya seIsraeli, ngi ku nika ukukamisa komlomo pakati kwabo, bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

### ISAHLUKO 30.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

2 Nnodana yomuntu, yazisa, u tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Kalani, Maye kulo usuku!

3 Ngokuba usuku lu seduze, lona usuku luka Jehova lu seduze, usuku lwamafu; lu ya kuba isikati kuzo izizwe.

4 Ko ti inkemba i fika pezu kwEgipite, nokwesaba pezu kweKushi, lapo ba we kona abahlatyiweyo Egipite, lapo ba ya kutabata isixuku salo, zi dabulwe nezisekelo zalo.

5 iKushi, neFuti, neLudi, nesixuku

sonke esihlanganisiweyo, neKube, namadodana ezwe avumeleneyo, a ya kuwaba ngenkamba.

6 Njalo u tyo uJehova, bona a ba pasa iEgipite ba ya kuwa; nobuhle bama-ndhla alo a ya kwēka; ba ya kuwa ngenkamba kulo ku qale enqabeni ya-seSyene, i tyo inNosi uJehova.

7 Futi ba ya kucitakala pakati kwamazwe acitekileyo, nemizi yalo yo ba pakati kwemizi ebuleweyo.

8 Bona ba ya kwazi ukuba ngi ngu-Jehova, lapo ngo ba ngi bekile kona umlilo Egipite, na lapo abasizayo bonke balo bo ba se be fohloziwe.

9 Nga lolosuku izitunywa zo puma ngemikumbu ebusweni bami ukusabisa iKushi eli hlezi ngokwetemba, futi ko ba kona ubuhlungu ku bona njengasosukwini lwa sEgipite; ngokuba, bheka, ko fika.

10 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngi ya kuqeda isixuku sa sEgipite ngesandhla sika Nebukadrezari inkosi ya seBabulona.

11 Yena nabantu bake kanye naye aba nolaka bezizwe, ba ya kuziswa ukucita izwe, ba ya kuti ba koke izinkamba zabo nga kulo Egipite, ba gwalise izwe ngabahlatyweyo.

12 Ngo ti ngenze imifula i tye, ngi tenge izwe esandhleni sababi; ngi sabalalise izwe, nokugewala kwalo ngesandhla sabafu; mina Jehova ngi tyilo.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo bubisa izitombe, ngi qede izitixo eNofi; ko ti ku nga bi ko futi inkosi yezwe la sEgipite; futi ngo beka ukwesaba ezweni la sEgipite.

14 Ngi ya kuti ngi sabalalise iPatrosi ngi beke umlilo eZoani ngenze isahlulelo eNo.

15 Ngi tele pezu kweSini inqaba ya-sEgipite ukuvuta kwami, ngi nqume isixuku sa seNo.

16 Ngi beke umlilo Egipite; iSini lo zioinya ngobuhlungu, neNo li ya kudatyulwe, neNofi lo ba nezinkatazo nge-mihla.

17 Amadoda amatya a seAvene nase-Pibesete a ya kuwa ngenkamba; yona imizi yo hamba ekutunjweni.

18 Futi eTahafansi ko ba kona usuku olumnyama, lapo ngi ya kupula kona amayokwe a sEgipite; ubukosi bamandhla alo bo pela kulo; na lo ifu li ya ku li sibekela, futi amadodakazi alo a ya kuya ekutunjweni.

19 Ngi ya kwenza izahlulelo Egipite mina; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.

20 Kwa tike ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga yokuqala, ngosuku lwesikombisa lwenyanga kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

21 Ndodana yomuntu, se ngapulile ingalo ka Faro inkosi ya sEgipite; bhekake; a i yi ku botywa uku telela imiti, uku faka isibopo uku yi songela uku yi qinisa uku galela ngenkamba.

22 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nga kuye uFaro inkosi ya sEgipite, futi ngo zapula izingalo zake, eqinileyo kanye neyapukileyo; mina ngi ya kwenza inkamba i we esandhleni sake.

23 Futi ngo hlakaza aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni.

24 Ngo ti ngi qinise izingalo zenkosi ya seBabulona, ngi nike inkamba yami esandhleni sayo; kanti ngo pula izingalongo zika Faro, yena wo bubula ngezibubulo zohlatyiweyo pambi kwake.

25 Kanti ngo qinisa izingalo zenkosi ya seBabulona, kodwa izingalo zika Faro zi ya kuwa; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova lapo se ngi nikile kona inkemba yami esandhleni senkosi ya seBabulona, na lapo yo ye lulile pezu kwezwe la sEgipite.

26 Ngo ti ngi hlakaze aba sEgipite ezizweni, ngi ba hlwanyele emazweni; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.

#### ISAHLUKO 31.

**K**WA tike ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga yesitatu, ngosuku lokuqala lwenyanga, kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, Kuluma kuFaro inkosi ya sEgipite, na kuso isixuku sake; U ya fana nobani ebukulweni bako na?

3 Bheka iAshuri li isedare la seLebanoni lihle ngamagatya, ihlati eli netunzi, lide ngokudepa amaqabunga alo a be pakati kwamahlala emileyo.

4 Amanzi a li kulisa, ulwandhle lwa li pakamisa; ngemifula yalo li hamba ngokuzungeza ekutyalweni kwalo; na ngemisele yalo la tuma kuyo yonke imiti yomhlabati.

5 Ngako ukudepa kwalo kwa pakama nga pezu kwemiti yonke yomhlabati, namagatya alo a vama, namahlala alo a jobelelwa ngokuvama kwamanzi eku wa puniseni kwalo.

6 Zonke izinyoni zezulu zaka emagatyi eni alo, na pansi kwamahlabla alo, izilwane zonke zomhlabati za zala, na setunzini lalo za hlala izizwe zonke ezikulu.

7 Lona la ba lihle ebukulweni balo, ebudeni bamagatya alo, ngokuba impande yalo ya ba semanzini amaningi.

8 Amasedare ensimini ka Tixo a ka li sitanga; amaberoshi a ka fananga namagatya alo, nemiharimone a i banga njengamahlabla alo, a u fananga nalo ngobuhle umuti nawodwa ensimini ka Tixo.

9 Ngi lenzile li be lihle ngobuningi bamagatya alo; kwa ti yonke imiti ya sEdene e bi sensimini ka Tixo ya ba nomona ngalo.

10 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba u zipakamisile ngokudepa, lona la beka amaqabunga alo pakati kwamahlala enileyo, nenhliziyo yalo i pakamile ngobude balo;

11 Mina ngi li nikile esandhleni sonamandhla wezizwe; yena u ya kwenza kulo impela; ngobubi balo ngi li xotyile.

12 Nabafa aba nolaka bezizwe ba li nqumile, ba li lahlile; ezintabeni na sezigodini zonke amagatya alo a wile, namahlamvu alo a pulwa ngasemiseleni yonke yezwe nabantu bonke bomhlaba ba pumile etunzini lalo, ba li shiyile.

13 Pezu kwenciteko yalo zonke izinyoni zezulu zo hlala, nezilwane zonke zezwe zo ba pezu kamahlala alo.

14 Ukuze nawodwa wemiti e ngasemanzini u zipakamise ngokudepa kwawo, futi u nga beki amaqabunga awo pakati kwamahlala, futi u nge mi ngokwawo ekupakameni kwawo, nayo imiti yonke e puza amanzi; ngokuba yonke i nikiwe ekufeni, emhlabeni pansi, pakati kwamadodana abantu, kanye nabatyonyayo emgodini.

15 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngosuku lokwekela kwalo esheoli, ngenza ukulila; nga sibekela ulwandhle ngalo, nga vimbela imifula yalo, nama nzi amaningi a valelwa; ngenza ukuba iLebanoni li lile pezu kwalo, nemiti yonke yomhlabati ya dangala ngalo.

16 Ngomsindo wokuwa kwalo nga tutumelisa izizwe, lapo nga li tyonisa kona esheoli kanye nabatyonyayo emgodini; futi imiti yonke ya sEdene, emihle, nelungileyo ya seLebanoni, yonke e puza amanzi yo zitokozisa emhlabeni pansi.

17 Yona nayo ya tyona kanye nalo esheoli, kubo abahlatyiweyo ngenkamba; kanye nabo aba be ingalo yalo, aba hlala etunzini lalo pakati kwezizwe.

18 U ya fana nobani ekukazimleni nasebukulweni pakati kwemiti ya sEdene na? wena wo tyoniswa nemiti ya sEdene emhlabatini pansi; wo lala pakati kwaba nejwabu kubo abahlatyiweyo ngenkamba. Lo u nguFaro nesixuku sonke sake, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 32.

**K**WA tike ngomuyaka weshumi nambili, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lokuqala lwenyanga, kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Nnodana yomuntu, pakamisa isililo pezu kuka Faro inkosi ya sEgipite, u tyo kuye, ukuti, U ya fana nengonyama entya yabantu, futi u njengengwenya olwandhle; wa ti wa nyakazisa imifula yako, wa zamazisa amanzi ngezinyawo zako, wa dunga imifula yabo.

3 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo leneka ineta lami pezu kwako ngebandhla labantu abaningi, bo ti ba ku kupule ngeneta lami.

4 Lapo ngo ku tyinga emhlabeni, ngi ku lahlele emhlabatini, ngi hlalise pezu kwako izinyoni zonke zezulu, ngi sutise ngawe izilwane zonke zezwe.

5 Futi ngo beka inyama yako pezu kwezintaba, ngi gwalise izigodi ngokupakama kwako.

6 Futi ngo netisa izwe lokuhlamba kwako ngegazi lako, kuzo izintaba; nemisele yo gawala uwe.

7 Ngo ti ekucinyweni kwako ngi sibekele izulu, ngi nyamalise izinkanyezi; ngi sibekele ilanga ngefu, nenyanga a i yi ku kanya nokukanya kwalo:

8 Zonke izinkanyezi ezikanyayo ezulwini ngo zi nyamalisa pezu kwako, ngi beke ubumnyama pezu kwezwe lako, i tyo iNkosi uJehova.

9 Futi ngo kataza inhliziyo yabantu abaningi lapo ngi zisa kona ukufohlozwa kwako pakati kwezizwe emazweni o nga wazanga wena.

10 Mina ngo dumaza abantu abaningi pezu kwako, namakosi abo o saba ngkwesaba ngawe, uma ngi zo galela ngenkamba yami pambi kwawo; a ya ku ti a tutumele izikatya zonke ilomuntu ngompefumlo wake, ngosuku lokuwa kwako.

11 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; inkemba yenkosi ya seBabulona i ya kuza pezu kwako.

12 Ngezinkemba zabanamandhla ngo wisa izixuku zako, aba nolaka bezizwe bona bonke; bona ba zo cita ubukosi ba sEgipite, nezixuku zonke zalo zo nqunywa.

13 Futi ngo bubisa zonke izilwane zalo ngasemanzini amaningi; nonyawo lomuntu a lu yi ku dunga wona futi, namasondo ezilwane a ka yi ku wa dunga.

14 Lapo ngo neipisa amanzi abo, ngeze imifula yabo i hambe njengamafuta i tyo iNkosi uJehova.

15 Lapo ngi ya kwenza izwe la sEgipite li be ihlane, nezwe li sabalaliswe ngokugewala kwalo, lapo ngi zo tyaya bonke aba hlezi kulo, bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

16 Bona ba ya kulilela lona ngesililo lesi: amadodakazi ezwe a ya kulilela; a zo lilela lona, iEgipite, nesixuku sonke salo, i tyo iNkosi uJehova.

17 Kwa tike ngomnyaka weshumi namibili, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

18 Ndodana yomuntu, kalela isixuku sa sEgipite, u behlisele, ukuti lona, namadodakazi ezizwe ezidumileyo, emhlabeni ngapansi, kanye nabeukela emgodini.

19 U muhle ku nobani? yeukela u laliswe kanye nabo aba nejwabu.

20 Pakati kwabo aba hlatyiwe ngenkemba ba ya kuwa; lona li nikelwe enkembeni; li donseni nezixuku zonke zalo.

21 Aba namandhla babadumileyo ba ya kukuluma nalo pakati kwesheoli nabo aba li hlangayo; ba tyonile, ba lala aba nejwabu, abahlatyiweyo benkemba.

22 Nanti iAshuri, nesixuku sonke salo, amatuna alo a li haqayo, bona bonke be hlatyiwe, abawileyo benkemba.

23 Amatuna alo a bekiwe ezinhlangotini zomgodi, nebandhla lalo li ya haqa ituna lalo; bona bonke be hlatyiwe, abawileyo benkemba, a benza ukwesaba ezweni labapilileyo.

24 Nanti iElanuu nesixuku sonke salo si haqa ituna lalo, bona bonke be hlatyiwe abawileyo benkemba, a ba tyona be nejwabu emhlabeni ngapansi, a benza ukwesaba kwabo ezweni labapilayo:

kepa ba patile ihlazo labo kanye nabo, abatyonayo emgodini:

25 Ba li bekele umbede pakati kwabahlatyiweyo kuso isixuku sonke salo: amatuna alo a ya li haqa; bona bonke be nejwabu be hlatyiwe ngenkemba; ngokuba ukwesatywa kwabo kwenziwa ezweni labapilayo, kepa ba patile ihlazo labo kanye nabo aba tyonayo emgodini; li bekiwe pakati kwabahlatyiweyo.

26 Nanti iMesheki, neTubali nesixuku sonke salo; amatuna alo a ya li haqa; nesixuku sonke salo; bona bonke be nejwabu, abahlatyiweyo ngenkemba, ngokuba benza ukwesatywa kwabo ezweni labapilileyo.

27 Bona a ba yi ku lala nabadumileyo abawileyo baba nejwabu; a ba tyonile esheoli be nezikali zabo zokulwa; ba bekile pela izinkemba zabo pansi kwamakanda abo, kanti izipambeko zabo zi ya ku ba pezu kwamatambo abo, ngokuba ba be ukwesaba kwabadumileyo ezweni labapilileyo.

28 Wena pela wo fohlozwa pakati kwaba nejwabu, wo lala nabo abahlatyiweyo benkemba.

29 Nanti iEdomi amakosi alo, nezixuku zonke zalo, e zi bekiwe nabo abahlatyiweyo benkemba; zona zo lala nabo aba nejwabu, nabo abatyonayo emgodini.

30 Nangamakosi a senyakato, wona onke, namaSidoni onke, a tyonile kanye nabahlatyiweyo; ekusabeni kwabo ba jambile ngamandhla awo; a ti a lala nejwabu nabo abahlatyiweyo ngenkemba, a pata ihlazo lawo kanye nabatyonayo emgodini.

31 uFaro wo ba bona, a tokoziswe pezu kwesixuku sonke sake, uFaro nempiyonke yake abahlatyiweyo ngenkemba, i tyo iNkosi uJehova.

32 Ngokuba se ngi bekile ukwesatywa kwami ezweni labapilileyo; ko ti a laliswe pakati kwabo aba nejwabu aba ti abahlatyiweyo ngenkemba, ukuti uFaro nesixuku sonke sake i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 33.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, kuluma kumadodana abantu bako, u tyo kubo; Uma ngi zisa inkemba pezu kwalo izwe; noma abantu bezwe ba tabate umuntu wa semikaulweni yabo, ba m beke a be umlindi ku bona.

3 Noma se e bona inkemba i za pezu kwezwe, a kalise itilongo, a xwayise aban.u;

4 Noma yena o zwayo u yezwa ukukala kwetilongo, kodwa e nga xwayi; uma i fika inkemba, i m suse; igazi lake li ya kuba ekanda lake.

5 Wezwa ukukala kwetilongo, a xwayanga, igazi lake li ya kuba kuye. Kanti yena o xwayayo wo sindisa umpefumlo wake.

6 Ku ti umlindi uma e bona inkemba i za, e nga kalisi itilongo, be nga xwayiswa abantu, i fike inkemba i suse umuntu ku bona, umpefumlo lowo u ya swa ekupambekweni kwawo, kepa igazi lawo ngo li biza esandhlени somlindi.

7 Njalo wena Ndodana yomuntu ngi ku bekile u be umlindi kuyo indhlu ya seIsraeli, wo ti u zwe izwi emlonyeni wami, u ba xwayisele mina.

8 Lapo ngi tyo komubi, ukuti, Mubi wo fa ngokufa; kepa u nga kulumi wena ukuxwayisa omubi a shiye indhlela yake; lowomubi wo fa ekupambekeni kwake, kepa igazi lake ngo li biza esandhlени sako.

9 Kanti wena uma u xwayisile omubi ukuba a penduke endhlelени yake; kodwa, uma e nga penduki ekuhambeni kwake, yena wo fa ekupambekeni kwake, kepa wena u sindisile umpefumlo wako.

10 Futi, wena Ndodana yomuntu kuluma kuyo indhlu ya seIsraeli; Njalo ni ya tyo, ukuti, Uma ukupambeka kwetu, nezono zetu zi be pezu kwetu, tina si zace ku zona, si ya kupila kanjani po na?

11 Yityo ku bona, ukuti, Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova a ngi tokozi ekufeni komubi; kodwa ekubuyeni komubi endhlelени yake a pile: pendukani ni penduke ezindhlelени zenu ezimbi, ngokuba ni ya kufa ngani, Ndhlu ya seIsraeli?

12 Futi, wena Ndodana yomuntu, yityo kumadodana abantu bako, Ukulungakolungileyo a ku yi ku m sindisa ngosuku lokupambeka kwake: futi okubi komubi a ka yi ku wiswa panso iko ngosuku lokubuya kwake ebubini bake; futi olungileyo a ka yi ku ba namandhla ukupila ngako ukulunga ngosuku lokona kwake.

13 Lapo ngi tyo kolungileyo, ukuti, yena wo pila ngokupila; uma e temba yena kuko ukulunga kwake, enze okubi, ukulunga konke kwake, a ku yi ku ku-

njulwa: kepa wo fa ebubini a benzileyo, wo fa kubo.

14 Na lapo ngi tyo komubi, Wena wo fa ngokufa; uma e buya esonweni sake enze ukwahlulela nokulunga.

15 Uma omubi e buyise isibambiso, e koka okwamukiweyo, e hambе emite-tweni yokupila, e ngenzi okubi; wo pila ngokupila, a ka yi ku fa.

16 A ku yi ku kunjulwa nga kuye nesi sodwa sezono zake a zenzileyo; wenzile ukwahlulela nokulunga; wo pila ngokupila.

17 Kepa amadodana abantu bako a tyo, ukuti, Indhlela yeNkosi a i lingani, kodwa bona izindhlela zabo a zi lingani.

18 Ekubuyeni kolungileyo ekulungeni kwake enze okubi, wo fa kuko.

19 Kanti ekubuyeni komubi ebubini bake, enze ukwahlulela nokulunga, wo pila ngako.

20 Kepa ni tyo ukuti, A i lingani indhlela yeNkosi. Ndhlu ya seIsraeli, ngo nahlula ilomuntu njengezindhlela zake.

21 Kwa tike ngomnyaka weshumi nambili, ngenyanga yeshumi ngosuku lwe-sihlanu lokutunjwa kwetu, weza kimi umuntu o sindileyo eJerusalem, wa ti, Umuzi se u tyayiwe.

22 Kwa ti isandhla sika Jehova sa ba pezu kwami kusihlwa, ngapambi kokufika kosindileyo; sa vula umlomo wami, wa ze wa fika ekuseni; wa se u vulekile umlomo wami nga ngi nga tuli futi.

23 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

24 Ndodana yomuntu, bona a ba hlezi ezincitakalweni lezo zomhlabati wa se-Israeli ba kuluma, be ti, uAbahama wa e mune, wa ba nezwe; kepa tina si ngabaningi; izwe li piwe ki tina li be ifa.

25 Ngako yityo kubo, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Ni ya dhla negazi, ni pakamisela ezitombeni amehlo enu, ni palaze igazi; no ba nezwe nina na?

26 Ni yema pezu kwenkemba yenu, nenze okunengekayo, ni ngeolise ilomuntu umka mgane wake; no ba nezwe nina na?

27 Wo kuluma njalo ku bona, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Kupila kwami, impela bona a ba sezincitakalweni ba za ku wa ngenkemba, naye o sebusweni bomhlabati ngo m nika kuzo izilo zi m dhle, nabo ba sezinqabeni, na senagedengwini ba ya fika ngokufa.

28 Ngo ti ngenze izwe li be ihlane incitakalo, ku pele ubukosi bamandhla alo; izintaba za seIsraeli zona zo ba ihlane, ku nga biko odabulayo.

29 Ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova, lapo ngi bekile izwe li be ihlane, incitakalo ngako ukuuengeka konke a ba kwenzileyo.

30 Ku ti, wena Nnodana yomuntu, abantwana babantu bako ba kuluma ngawe ngasezindongeni, na ngaseminyango yezindhlu: bona ba kuluma omunye komunye ilomuntu kumfo wabo, be ti, Wozani manje, ni zwe ukuba li yini izwi e li pume kuye uJehova.

31 Ba ti ba ye za kuwe ngokokuzakwabantu, ba hlale pambi kwako nje ngabantu bami, be zwe amazwi ako, kanti a ba yi kwenza wona; ngokuba bona benza ngomlomo wabo okutandekayo, kodwa inhliziyo yabo i landela inzuzo embi.

32 Bhekake, wena u ku bona njengesihlabelelo esitandekileyo somunye o nezwi elihle, nolungile ukubeta ogubwini: ngokuba ba ye zwa amazwi ako, kanti a benzi wona.

33 Kepa lapo ku fikile loku, (bheka ku ye za!) lapo ba ya kwazi ukuba umazisi u be pakati kwabo.

### ISAHLUKO 34.

**K**WA ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

2 Nnodana yomuntu, yazisa nga kubo abalusi ba seIsraeli; wazise u tyo ku bona, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova kubo abalusi; Maye kubalusi ba se-Israeli a ba zifunzayo! a ngi ti abalusi nga be funze izimvu na?

3 Ni ya dhla amafuta; ni vate uboya, ni hlabe ezinonileyo, kepa a ni funzi izimvu.

4 Ezitambileyo a ni zi qinisanga, a ni pilisanga egulayo, a ni bopanga enyeleyo, a ni buyisanga exotyiveyo, a ni funisisanga elahlekileyo; kepa ni zi busile ngamaudhla na ngohlupo.

5 Za ti za hlakazwa ngokuba wa e ngeko umalusi, za ba ukudhla kuzo zonke izilo zomhlabati, za hlakazeka zona.

6 Izimvu zami zeduka ezintabeni zonke, na pezu kwemimango yonke; yebo izimvu zami za hlakazwa ebusweni bezwe lonke, kwa ti, kwa ku ngeko ofunisisayo, no funayo.

7 Ngako balusi, yizwani izwi lika Jehova;

8 Kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, imbala ngokuba izimvu zami za ba impango, futi, izimvu zami za ba ukudhla kuzo zonke izilo zomhlabati, ku nga bi ko umalusi, futi abalusi bami a ba funisisanga izimvu zami, kepa abalusi ba zifunza, be nga funzi izimvu zami:

9 Ngako balusi, yizwani izwi lika Jehova.

10 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nga kubo abalusi; futi ngo biza izimvu zami esandhleni sabo, ngi ba yekise ukufunza izimvu; bona abalusi a ba zo zifunza futi; ngokuba ngo sindisa izimvu zami emlonjeni wabo, zi nga bi ukudhla ku bona.

11 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova, bheka mina ngo funisisa izimvu zami, ngi zi bekelele.

12 Njengokubeketela komalusi umhlambi wake ngosuku e se kona ngalo pakati kwezimvu zake ezihlakazekileyo; njalo ngo bekelela izimvu zami, ngi zi suse kuzo zonke izindawo lapo zi hlakazekele kona ngosuku lwamafu nobumnyama.

13 Ngi ya kuti ngi zi pumise kubantu, ngi zi bute kuwo amazwe, ngi zi zise emhlabatini wabo, ngi zi funze ezintabeni za seIsraeli, nga sezimfundeni, nasezindaweni zonke ezakiweyo zezwe.

14 Ngo zi funza edhlelweni elihle, nasezintabeni ezipakamileyo za seIsraeli ko ba kona inhlalo yazo; lapo zo eambulalala enhlalweni enhle, na sedhlelweni elivundileyo zi ya kwaluka kona pezu kwezintaba seIsraeli.

15 Mina ngo funza izimvu zami, ngi zenze zi lale pansu, i tyo iNkosi uJehova.

16 Ngo funisisa okulahlekileyo, ngi buyise okuxotyiveyo, ngi bope okunyeleyo, ngi qinise okugulayo; kepa ngo eita okunonileyo nokunamaudhla; ngi zi funze ngokwahlulela.

17 Kepa nina, Zimvu zami, njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi ya kwahlula pakati kwesilwane nesilwane, pakati kwezinqama nezimpongo.

18 Ku yinto enume kini ukuba ni dhlile idhlelo elihle, no nyatela pansu insalo yedhlelo lenu futi ngezinyawo zenu na? nokuba ni puzzle kuwo amanzi ahlangeneyo, no dunga wona aseleyo futi ngezinyawo zenu na?

19 Kodwa izimvu zami zi ya dhla okunyatelweyo ngezinyawo zenu; zi puze okudungiweyo ngezinyawo zenu.

20 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo; Bheka mina ngi ya kwahlula pakati kwemvu enonileyo nemvu ezacileyo.

21 Ngokuba ni qubile ngohlangoti nangehlombe, ni tyayile ezigulayo zonke ngezimpondo zenu ni ze na zi hlakazela ngapandhle;

22 Ngako ngo sindisa izimvu zami, a zi yi ku ba impango futi; ngo ti ngahlule pakati kwesilwane nesilwane.

23 Ng'i ya kuti ngi mise pezu kwazo umalusi munye, yena wo zi funza, ngi ti inceku yami uDavida; yena wo zi funza, a be umalusi wazo.

24 Futi mina Jehova ngo ba uTixo kuzo, inceku yami uDavida wo ba isikulu pakati kwazo; mina Jehova ngi tyilo.

25 Futi ngi ya kwenza nazo uvumelwano lokuhlala kahle, ngi qede izilo ezibi ezweni; zona zi zo hlala ehlane ngokwetemba, zi lala emahlatini.

26 Futi ngi ya kwenza zona, nezindawo ezi haqa intaba yami zi busiswe; ngo ti, ngehlise imvula ngesikati sayo; ku be kona izihlambi zokubusisa.

27 Ko ti umuti womhlabati u tele ukudhla kwawo, nomhlaba u tele isitelo sawo, zona zo ba nokwetemba emhlabatini, zi ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova uma ngapula izibonda zeyokwe lazo, ngi zi sindise esandhleni sabo aba zikonzayo ngazo.

28 Zona a zi yi ku ba futi impango kuzo izizwe, nezilo zezwe a zi yi ku zi dhla; kepa zo hlala ngokwetemba, ku ngeko o ku zetuso.

29 Ngo ti ngi vusele zona ihlumela elidumileyo, futi a zi yi ku ba ezi suswa ngendhlala ezweni, zi nga twali futi amahloni ezizwe.

30 Zona zi ya kwazi ukuba mina Jehova uTixo wazo ngi kuzo, nokuba zona zi ngabantu bami, indhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

31 Nina ni izimvu zami, ni izimvu zedhlelo lami, ni ngabantu, mina ngi nguTixo wenu, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 35.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu, bhakisa ubuso bako nga kuyo intaba iSira, wazise nga kuyo,

3 U tyo kuyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Bheka mina ngi nga kuwe Ntaba Sira, ngo ti ngelule isa-

ndhla sami nga kuwe, ngi kwenze u be ihlane, incitakalo.

4 Ngo yenza imizi yenu i be incitakalo, u be ihlane nawe; u ya kwazi wena ukuba ngi nguJehova.

5 Ngokuba u be nenzondo njalo, u nikele amadodana a seIsraeli esandhleni senkemba ngesikati senkatazo yawo, ngesikati sokupela kokubi.

6 Ngako, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, ngo ku lungisela igazi, ko ti igazi li ku landele; ngokuba a u zondanga igazi, igazi lo ku landela lona.

7 Ng'i ya kuti ngenze intaba iSira i be ihlane, incitakalo, ngi nqume kuyo opumayo nobuyayo.

8 Ngo ti ngi gwalise izintaba zayo ngabahlatyiweyo; emimangweni yako; na sezigodini zako, nasemifundeni yonke yako, abahlatyiweyo ngenkemba ba ya kuwa kuyo.

9 Ng'i ya kwenza wena u be ihlane njalo njalo, a i yi ku buya nemizi yako; nina ni ya, kwazi ukuba ngi nguJehova.

10 Ngokuba u tyilo wena, Lezizizwe ezibili, nalamazwe amabili a ya kuba abami, tina so ba nalo; nokuba uJehova wa ba kona lapo.

11 Ngako, kupila kwami, i tyo iNkosi uJehova, ngi ya kwenza ngokolaka lwako, na ngokomona wako o wenzileyo ngokuzonda kwako nga ku wona; futi ngi ya kuzazisa kuwo, ngenga loku ngi kwahlulile.

12 Wena u ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova, nokuba ngi zwile ukufenyisa konke kwako o ku kulumile wena nga kuzo izintaba za seIsraeli, u ti, Zi citekile, zi piwe kiti ukuzidhla.

13 Ni gabisile nga kimi ngomlomo wenu, nandisile amazwi enu nga kimi; ngi zwile.

14 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ekujabuleni kwezwe lonke, ngi ya kwenza wena u be ihlane.

15 Njengokujabula kwako ngefa lendhlu ya seIsraeli, ngenxa yaloku i be ihlane, njalo ngi ya kwenza kuwe; wo ba ihlane wena Ntaba Sira, nEdomi lonke ukupela kwalo; bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

ISAHLUKO 36.

**W**ENAKE, Ndodana yomuntu, yazisa kuzo izintaba za seIsraeli, u tyo, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi lika Jehova.

2 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngokuba ozondayo u tyilo nga kimi, ukuti, Aha! izindawo ezipakamileyo zamandulo zi yifa letu.

3 Ngako yazisa u tyo; ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngokuba ba ni eita, ba ni fisela ekuzungezeni, ukuze ni be ifa kuyo insalo yezizwe, futi ni patwa ezindebeni zohlebayo ngolimi, ni yisihlebo sabantu.

4 Ngako, Zintaba za seIsraeli, yizwani izwi leNkosi uJehova; Njalo i tyo iNkosi uJehova kuzo izintaba, na kuyo imimango, kuzo izifunda, na kuzo izigodi, na kuwo amahlane a yizineitakalo, na kuyo imizi e shiyiweyo, e be impango nesihleko kuyo insalo yezizwe ezizungezayo;

5 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Impela ngomlilo womona wami ngi kulumile nga kuyo insalo yezizwe, na nga kulo iEdomi lonke, e zi nikela izwe lami ku zona li be ifa ngenjabulo yenhliziyi yonke, ngokuzonda kompefumlo, ukuze, li lahlele impanga.

6 Ngako yazisa ngomhlabati wa se-Israeli, u tyo kuzo izintaba na kuyo imimango, na kuzo izifunda, na kuzo izigodi, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi kulumile ngomona wami, na ngokuvuta kwami, ngokuba ni twalile amahloni ezizwe.

7 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova: Ngizipakamisile isandhla sami, Impela izizwe ezi ni zungezayo, zona zo twala ihlazo lazo.

8 Kepa nina Zintaba za seIsraeli no pumisela amatyata enu, ni telele izinhlamvu zenu kubantu bami abaIsraeli; ngokuba ba sondela be za.

9 Ngokuba bheka mina ngi kini, ngo pendukela nina, ni zo linywa ni hlwanyelwe:

10 Ngi ya kuti ngandise abantu pezu kwenu, indhlu yonke ya seIsraeli, ukupela kwayo: nemizi yo ba nabahlalayo, nezineitakalo zo yakwakiwa.

11 Futi ngi ya kwandisa pezu kwenu umuntu nesilwane, zi ya kwanza zizale; ngi ni hlalise ezindaweni zenu zamandulo, ngi nenzele okuhle ku nakuqala; ni ya kwazi ukuba ngi ngu-Jehova.

12 Ngo ti ngi hambise pezu kwako abantu, ukuti abantu bami abaIsraeli; ba be nawe, u be ku bona ifa, u nga pindi u benze ba felwe abantu futi.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; ngo-

kuba ba tyo kuwe, Wena mhlaba u ya dhla abantu, u ngo zenze izizwe zako zi felwe abantu;

14 Ngako a u yi ku dhla abantu futi, u ngenzi izizwe zako zi felwe futi, i tyo iNkosi uJehova.

15 A ngi yi ku zwakalisa kuwe futi amahloni ezizwe, a u yi ku twala ihlazo labantu bako futi, a u yi ku putisa izizwe zako futi, i tyo iNkosi uJehova.

16 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova, lokuti.

17 Ndodana yomuntu, lapo abendhlu ya seIsraeli ba be be hlala emhlabatini wabo, ba wu ngeolisa ngendhlela yabo na ngezenzo zabo, indhlela yabo pambi kwami i be njengokungeola kotombayo.

18 Nga ti nga tela pezu kwabo ukuvuta kwami ngenxa yegazi a ba li palaza pezu kwezwe, na ngezitombe zabo a ba li ngeolisa ngazo.

19 Nga ba hlakaza pakati kwezizwe, ba hlwanyelwa emazweni; nga bahlula njengendhlela yabo, na njengokwenza kwabo.

20 Ba ti ba ngena kuzo izizwe lapo ba ya kona, ba ngeolisa igama lami eli ingewe, ngokutyo kuzo, ukuti, Laba ba ngabantu baka Jehova, ba pumile kulo izwe lake.

21 Kepa nga haukela ngenxa yegama lami eli ingewe, a ba li ngeolisile abendhlu ya seIsraeli pakati kwezizwe lapo beza kona.

22 Ngako yityo kuyo indhlu ya se-Israeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; a ngenzi ngenxa yenu, Ndhlu ya seIsraeli, kodwa ngegama lami eli ingewe, e ni li ngeolisile pakati kwezizwe lapo ni ye kona.

23 Ngi ya kuti ngenze li be ngewele igama lami elikulu, elingeoliswiweyo pakati kwezizwe, e ni li ngeolisile pakati kwazo; ko ti izizwe zazi ukuba ngi nguJehova, i tyo iNkosi uJehova, lapo ngenziwe ngewele kini emehlweni uzo.

24 Futi ngo ni tabata kuzo izizwe, ngi ni bute kuwo onke amazwe, ngi ni zise ezweni lakini.

25 Futi ngo fufaza pezu kwenu amanzi a ewengekileyo, nina ni ya kuhlanzeka kuko ukungeola konke kwenu, na kuzo zonke izitombe zenu ngo ni hlanza.

26 Inhliziyi entya ngo ni nika yona, nomoya omutya ngo wu faka ngapakati kwenu: ngi suse inhliziyi yetye kuyo



inyama yenu, ngi nike kini inhliziyu yenyama.

27 Ngo beka umoya wami ngapakati kwenu, ngi ni hambise emitetweni, yami nina no geina izahlulelo zami ni zenze.

28 Nina ni zo hlala ezweni e nga li nika kubo oyihlo benu, ni be abantu kimi, mina ngo ba uTixo kini.

29 Mina ngo ni sindisa kuko ukungecola konke kwenu; futi ngo bizela ukudhla, ngi kwandise, ngi nga beki pezu kwenu indhlala.

30 Futi ngo kwandisa ukudhla komuti, nesitelo somhlabati, ngenxa yokuba ni ngamkeli futi isijambiso sendhlala pakati kwezizwe.

31 Lapo ni zo kumbula izindhlala ezimbi zenu, nezeno zenu e zi nga lungile; ni zi dele emehlweni enu ngobubi benu, nangokunengeka kwenu.

32 A ngenzi loku ngenxa yenu i tyo iNkosi uJehova, ku ya kwaziwa kini; yibani namahloni, ni jabe ngezindhlala zenu, Ndhlula ya seIsraeli.

33 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngosuku e ngo ba se ngi ni hlazile ngalo kubo ububi bonke benu, ngo ni hlalisa emizini, nezincitakalo zi ya kwakiwa.

34 Nezwe eli ihlane lo linywa, loku la be li incitakalo emehlweni aba bonke abadhlulayo.

35 Bona ba ya kutyo, ukuti, Lelilizwe e li be li citakele li njengensimu ya sEdene; nemizi e sabalaleyo e citekileyo e hlakaziweyo, i biyiwe, i nabahleziyo.

36 Futi izizwe ezi seleyo ezi ni zungezayo zi ya kwazi ukuba mina Jehova ngi ya zaka izindawo ezihlakaziweyo ngi tyale ezicitakeleyo: mina Jehova ngi kulumile, ngi ya kwenza mina.

37 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngo funwa ngaloku pela abendhlu ya se-Israeli ukwenzela bona; ngo bandisa ngabantu njengomhlambi.

38 Njengomhlambi wokuyingewele, njengomhlambi wa seJerusema emibusweni yalo; njalo imizi esabalaleyo i ya kuza i gewale imihlambi yabantu; bona ba ya kwazi ukuba ngi ngu-Jehova.

ISAHLUKO 37.

**I**SANDHLA sika Jehova sa ba pezu kwami, sa ngi pumisa ngomoya ka-Jehova sa ngi beka pansu ngapakati kwezigodi, sona si gewele amatambo.

2 Wa ngi dhlulisa nga kuwo ngokuzungeza: bhekake a be maningi kakulu

ebusweni besigodi, futi bheka a be omile kakulu.

3 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomuntu a nga pila lawa matambo na? nga se ngi pendula, Nkosi Jehova, uwena o waziyo.

4 Lapo wa ti kimi, Yazisa pezu kwamatambo lawa, u tyo kuwo, ukuti, Matambo o womileyo, yizwani izwi lika Jehova.

5 Njalo i tyo iNkosi uJehova kuwo amatambo lawa, Bheka, ngo ngenisa kini umoya, ni pile.

6 Ngo beka imisipa pezu kwenu, ngi vuselele pezu kwenu inyama, ngi ni sibekela ngesikumba, ngi beke umoya pakati kwenu, ni pile; ni ya kwazi ukuba ngi nguJehova.

7 Nga se ngi yazisa njenga loku nga yalelwa; kwa ti ngi sazisa, la ba kona izwi, bhekake ukuzamazama, a ti amatambo a sondela, itambo kulo itambo lalo.

8 Nga bona mina, bhekake, imisipa nenyama ya vela pezu kwawo, nesikumba sa wa sibekela ngapezulu; kepa umoya wa u ngeko kuwo,

9 Lapo wa ti kimi, Yazisa kuwo umoya, yazisa Ndodana yomuntu, u tyo kumoya, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova, Wo za moya u vela emimoyeni emine, u futele pezu kwa laba abahlatyiweyo, ba pile.

10 Nga se ngi yazisa njengaloku wa ngi yalala, kwa ti umoya we za kubo, ba pila, bema ngezinyawo zabo impi enkulu kakulu impela.

11 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomuntu, lawa matambo a indhlu yonke ya seIsraeli wona; bheka ba ya tyo ukuti, Amatambo etu omile, itamba letu li lahlekile, si nqumekile.

12 Ngako yazisa, u tyo kubona, ukuti Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka, mina ngo vula amatuna enu, ngi ni kupule ematuneni enu, Bantu bami, ngi ni zise ezweni la seIsraeli.

13 Nina ni ya kwazi ukuba ngi ngu-Jehova lapo ngo ba se ngi vulile amatuna enu, na lapo ngo ba se ngi ni kupulile ematuneni enu, Bantu bami,

14 Lapo ngi ya kubeka umoya wami pakati kwenu, ni pile, lapo ngi ni beke emhlabatini wenu; ni ya kwazi ukuba mina Jehova ngi tyilo, ngi kwenzile, u tyo uJehova.

15 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti,

16 Wenake Ndodana yomuntu, tabata kuwe uti lunye, u lobele uJuda pezu kwalo, namadodana a seIsraeli abangane bake; futi tabata uti olunye, u lobele uJosefa pezu kwalo uti lwa seEfraimi, nendhlu yonke ya seIsraeli abangane bake.

17 U zi hlanganise olunye kolunye kuwe, lu be uti lunye, zona zi ya kuba uti lunye esandhleni sako.

18 Ku ya kuti lapo amadodana abantu bako a tyo kuwe, ngokuti, A u yi ku si tyela, yini loku kuwe na?

19 Yi tyo kubo, ukuti Njalo i tyo iNkosi uJehova, Bheka mina ngo tabata uti luka Josefa olu sesandhleni sika Efraimi nemindeni ya seIsraeli abangane bake, ngi yi beke kuye, kulo uti luka Juda, ngi zenze zi be uti lunye; zi ya kuba uti lunye esandhleni sami.

20 Ku ya kuti izinti o loba kuzo zi be esandhleni sako pambi kwamehlho abo.

21 Futi yityo kubo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngo susa abantwana ba seIsraeli kuwo amadodana ezizwe lapo ba hambela kona, ngi ba bute ekuzungezeni ngi ba zise emhlabatini wabo.

22 Ngi benze isizwe sinye ezweni ezintabeni za seIsraeli; a ba sa yi ku hlu-kaniselwa emibusweni emibili futi.

23 A ba yi ku zingcolisa futi ngezitombe zazo, na ngokunengeka kwabo, na ngokupambeka konke kwabo; kepa ngo ba sindisa ezinhlalweni zonke zabo, lapo bonile kona kuzo, ngi ba hlanze; ba ya kuba kimi abantu, ngi be kubo uTixo.

24 Inecku yami uDavida wo ba inkosi pezu kwabo; nomalusi munye wo ba kubo bonke; ba zo hamba ezahlulweni zami, ba lalele kuyo imiteto yami, ba yenze.

25 Bona ba ya kuhlala ezweni e nga nika lona kuyo inecku yami uJakobe, a ba hlala kulo oyihlo benu; ba zo hlala kulo bona, nabantwana babo, nabantwana babantwana babo ku ze ku be pakade, futi uDavida inecku yami yo ba inkosi yabo pakade.

26 Futi ngi ya kwenza nabo uvumelwano lokuhlala kahle; lu ya kuba kubo uvumelwano lwapakade; futi ngo ba beka, ngi bandise, ngi beke okuyingewe le kwami pakati kwabo ku ze ku be pakade.

27 Itente lami li ya kuba kubo; nami ngo ba kubo ku ze ku be pakade, bona bo ba kimi abantu.

28 Futi izizwe zi ya kwazi ukuba

mina Jehova ngi yenza abaIsraeli ba be ngewe, lapo okuyingewele kwami ku kona pakati kwabo ku ze ku be pakade.

ISAHLUKO 38.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, lokuti.

2 Ndodana yomuntu bhekisa ubuso bako nga kulo iGogi izwe lika Magogi inkosi ikanda la seMesheki neTubali, wazise nga kulo.

3 U tyo, ukuti, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina ngi nga kuwe Gogi nkosi kanda la seMesheki neTubali.

4 Mina ngo ku buyisela, emva ngi fake amasondo emihlatini yako, ngi ku pumise, nempi yonke yako, amahashi nabamahashi bonke be gqoke okuhle impela, ibandhla elikulu li nesihlangu nehau, be pete izinkemba bonke.

5 iParasi, neKushi neFuti kanye nabo, bonke be nehau nesigqoko sensimbi.

6 iGomere nezimpi zonke zalo; indhlu ya seTogarma yezinhlangoti zenyakato, nezimpi zonke zalo; abantu abaningi kanye nawe.

7 Yiba u lungile, u zilungisela, wena, nebandhla lonke lako eli hlanganisiwe kuwe, u be umlindi kulo.

8 Emva kwezinsuku eziningi wo boniswa; eminyakeni esenuva wo fika ezweni e li buyisiwe kuyo inkemba, li butiwe kubantu abaningi aba ngakuzo izintaba za seIsraeli, e zi be zi sabalalekile njalo; kepa li pumisiwe kubantu, bona ba zo hlala ngokutemba bonke.

9 Wo kupuka wena, njengesipepo wo fika, wo ba njengefu ukusibekela izwe, wena nezimpi zonke zako, nabantu abaningi kanye nawe.

10 Njalo i tyo iNkosi uJehova, ukuti; Ko ti nga lombhla izinkumbulo zo ngena enhliziyweni yako, u cebe icebo elibi.

11 Wena u ya kutyo ukuti; Ngo kupukela ezweni lemizi e nge naudonga; ngo ngena kubo aba tulileyo be hlezi ngokwetemba, bonke be hlezi ku ngeko udonga, ku ngeko umvalo nesango kubo.

12 Ukupanga impango, nokwamuka ngokwamuka; ukupendulela isandhla sako pezu kwezindawo ezi sabalaleyo e zi nabahleziyo, na nga kubantu a ba butiwe kuzo izizwe, be zuzile izinkomo ne-ngebo, be hlezi esiqongeni sezwe.

13 iSheba, neDedani, nabatengi ba se-Tarshishi, nezingonyama ezintya zonke zalo, zi ya kutyo kuwe, ukuti; U filikile

wena ukupanga impango na? u butile ibandhla lako ukwamuka na? ukususa isiliva negolide, ukutabata izinkomo nengcebo, ukupanga impango enkulu na?

14 Ngako, ndodana yomuntu, yazisa u tyo kuGogi Njalo i tyo iNkosi uJehova, ukuti; Ngosuku lolo aba hlezi ngokwetemba ngalo abantu bami abaIsraeli, a u yi ku kwazi na?

15 Ko ti u ze wena u vele ezindaweni zako ezinhlangotini za senyakato, wena, nabantu abaningi kanye nawe, be kwele emahashini bonke, ibandhla elikulu nempu enkulu:

16 Ku ya kuti u kupukele nga kubantu abIsraeli, njengelifu ukusibekela izwe; ko ba ngezinsuku ezi semuva, mina ngo ku zisa nga kubantu bami, ukuzwe izizwe zazi mina, lapo ngo kwenziwe ngeweke kuwe, Gogi, pambi kwamehlo azo.

17 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Wena u nguye e nga kuluma ngaye ngezinsuku zamandulo, ngesandhla sezineku zami abazisi ba seIsraeli, a bazisa ngezinsuku lezo, iminyaka ukuzisa wena ngakubo na?

18 Ko ti ngosuku lolo, ngosuku iGogi li zo za ngalo pezu komhlabati wa se-Israeli i tyo iNkosi uJehova, ukuvuta kwami ko kupukela emakaleni ami.

19 Ngokuba ngomoua wami, na ngomlilo wolaka lwami ngi tyilo, Impela ngalolosuku ko ba kona ukututumala okukulu emhlabatini wa seIsraeli;

20 Zi ya kuti zi tutumale ebusweni bami izinhlanzi zolwandhle nezinyoni zezulu, nezilo zomhlabati, nezikasayo zonke e zi kasa emhlabatini, nabantu bonke a ba sebusweni bomhlabati; nezintaba zo wiswa pansu, namawa o wa pansu, nezindonga zonke zo wa pansu emhlabeni.

21 Ngi ya ku biza inkemba nga kuye ezintabeni zonke zami, i tyo iNkosi uJehova, inkemba yomuntu yo ba nga kuye umfo wabo.

22 Futi ngo mahlulela ngesifo na ngegazi; ngo netisa pezu kwalo, na pezu kwezimpi zalo, na pezu kwabantu abaningi a ba kulo imvula edhlulayo, nesiqoto, nomlilo nosolufa.

23 Mina ngo zikulisa, ngi zenze ngeweke; ngaziwe emehlweni ezizwe eziningi, zi ya kwazi zona ukuba ngi nguJehova.

ISAHLUKO 39.

**W**ENAKE Ndodana yomuntu, yazisa ngakuye uGogi u tyo, ukuti, Njalo

i tyo iNkosi uJehova; Bheka mina, ngi nga kuwe, Gogi nkosi kanda la seMehsheki neTubali.

2 Ngo ti ngi ku buyise, ngi ku hole ngi ku kupule kuzo izinhlangoti zenyakato, ngi ku zise pezu kwezintaba za seIsraeli:

3 Ngo ti ngi tyaye pansu esandhlani sokohlo sako umcibityelo wako, ngi wise nemisebe yako esandhlani sokunene sako.

4 Wo wa pansu ezintabeni za seIsraeli, wena, nezimpi zako zonke, nabantu a ba kuwe; ngo ku nika kuzo izinyoni ezihlwayo zezinhlobo zonke nezilo zomhlabati, ukudhliwa.

5 U zo wa pansu ebusweni bomhlabati; ngokuba mina ngi tyilo, i tyo iNkosi uJehova.

6 Ngo ti ngi tume umlilo kuye uMago gi na kubo a ba hlezi ngokwetemba ezinqingeni; ba ya kwazi bona ukuba ngi nguJehova.

7 Ko ti ngenze laziwe igama lami eli ingeweke pakati kwabantu bami abIsraeli; a ngi yi ku ngecolisa igama lami eli ingeweke futi; zona izizwe zi ya kwazi ukuba mina Jehova, ngi ngOingeweke eIsraeli.

8 Bheka se ku fikile, se kwenziwe i tyo iNkosi uJehova; ilona usuku e nga kuluma ngalo.

9 Bona a ba hlezi emizini ya seIsraeli bo puma, ba pembe ba tyise izikali kanye nesihlangu nehau, nemicibityelo nemisebe, nduku yesandhla, nomkonto, ba zi tyise ngomlilo iminyaka eyisikombisa.

10 Bona a ba yi ku tabata imiti kuwo umhlabati, be nga gauli kuwo amahlati; ngokuba ba zo tyisa izikali ngomlilo: ba pange bona a ba ba pangileyo, bamuke bona a ba bamukileyo i tyo iNkosi uJehova.

11 Ko ti nga lomhla ngi nike kuye uGogi indawo lapo yamatuna eIsraeli, isigodi sabahambi ngasempumalanga kolwandhle: yona yo vimbela abahambi; ba mbela lapo uGogi nesixuku sonke sake; ba yi bize Isigodi seHamon-Gogi.

12 Ku ya kuti indhlu ya seIsraeli i si mbele, i hlanze izwe izinyanga ezi isikombisa.

13 Yebo, bonke abantu bezwe ba ya ku si mbela; ko ba kubo udumo ngosuku e ni zo duniyisw ngalo, i tyo iNkosi uJehova.

14 Bo ti ba hlukanisele abantu njalo, ba dhlulele ezweni ba mbele kanye nabadhluleyo bona a ba wile ebusweni be-zwe uku li hlanza;

15 Lapo abadhhlulayo ba dabula izwe, uma umuntu a bone amatambo omuntu, lapo wo faka umboniso nga kuwo, ba ze ba wa sibekela abambelayo esigodini se-Hamon-Gogi.

16 Futi igama lomuzi lo ba iHamona. Bona ba zo hlanza izwe.

17 Wenake Ntodana yomuntu, njalo i tyo iNkosi uJehova; Yityo kuyo izinyo-ni zezinhlobo zonke, na kuzo zonke izilo zomhlabati, ukuti, Zihlanganiseni, ni ze; ni butane ekuzungezeni pezu kokuhlaba kwami e ngi ku hlabela nina, ukuhlaba okukulu ezintabeni za seIsraeli, nina ni ya kudhla inyama, ni puze igazi.

18 Ni ya kudhla inyama yeziqwaka, ni puze igazi lamakosi ezwe; lezinqama, ne lezimvana, nelezimbuzi, nelezinkomo, amanoni a seBashane onke.

19 Ni ya kudhla amafuta ni ze ni sute, ni puze igazi ni ze ni dakwe, ekuhlabe-ni kwami e ngi hlabele nina.

20 Nina no suta etebuleni lami ngamahashi nezinwele neziqwaga, na ngamadoda okulwa onke, i tyo iNkosi uJehova.

21 Ngi ya kuti ngi beke ubukosi bami pakati kwezizwe, neizizwe zonke zo bona ukwahlulela kwami e ngi kwenzileyo, nesandhla sami e ngi si beke pezu kwazo.

22 Ko ti indhlu ya seIsraeli i ya kwazi ukuba ngi nguJehova uTixo wabo ku suke ku lolosuku na pambili.

23 Lapo izizwe zi ya kwazi ukuba indhlu ya seIsraeli ya ya ekutunjweni ngobubi bayo; ngenxa yokuba ba khulisa nga kimi, mina nga sibekela ubuso bami kubo, nga ba nikela esandhleni sezita zabo, ba wa bonke ngenkamba.

24 Njengokungecola kwabo, na njengokupambeka kwabo ngenza ku bona, mina nga sibekela ubuso bami kubo.

25 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Manje ngo buyisa isitunjwa sa seJakobe, ngi haukele indhlu yonke ya seIsraeli, ngi be nomona ngegama lami eliyi-ngcwele.

26 Bona ba twalile ukujambiswa kwabo, nenkohliso yonke yabo a ba kohlisa ngayo nga kimi, lapo ba hlala ngokw-temba emhlabatini ku ngeko otusayo,

27 Lapo ngi ba buyisile kubantu,

ngi ba butile emazweni ezita zabo, ngenziwe ngcwele kubo emehlweni ezizwe eziningi:

28 Bona ba ya kwazi ukuba ngi nguJehova uTixo wabo, ngoku ngi tumbisa bona pakati kwezizwe; kepa ngi ba butile emhlabatini wabo; futike a ngi shiyanga lapo umuntu wabo.

29 Futi a ngi yi ku sibekela ubuso bami kubo, ngokuba ngi telile umoya wami pezu kwendhlu ya seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

#### ISAHLUKO 40.

**N**NGOMNYAKA wamashumi amabili nesihlanu wokutunjwa kwetu, ngokuqala komnyaka, ngosuku lweshumi lwenyanga, ngomnyaka weshumi nane emva kokuba, umuzi wa be u tyayiwe, ngosuku lona lolo isandhla sika Jehova sa ba pezu kwami, wa ti wa ngi zisa lapo.

2 Ngezibonakalo zikaTixo wa ngi zisa ezweni la seIsraeli, wa ngi hlalisa pezu kwentaba ende kakulu, na pezu kwango kwa ba njengezako zomuzi ngaseningi-zimu.

3 Wa ti wa ngi zisa kona, bhakake, umuntu isimo sake si njengesimo setusi, intambo yelineni ya ba sesandhleni sake, nohlanga lokulinganisa; wema yena esangweni.

4 Lapo umuntu wa tyo kimi, ukuti, Ntodana yomuntu, bhaka ngamehlo ako, u zwe ngezindhlebe zako, u beke inhliziyo yako kuko konke e ngi ku bonisa kuwe; ngokuba, ukuze ngi ku bonise u zisiwe lapa; tyela konke o ku bonayo kuyo indhlu ya seIsraeli.

5 Bhakake udonga ngapandhle kwe-ndhlu ekuzungezeni, na sesandhleni somuntu uhlanga lokulinganisa lu be izingalo ezitupa ngokwengalo nenpama; wa ti wa linganisa ububanzi bodonga uhlanga lunye, nokupakama kwazo uhlanga lunye.

6 Lapo we za kulo isango okubuka kwalo ku sendheleni ya sempumalanga, wa kupuka ngeziyatelo zokukwela zabo, wa linganisa umgulugulu wesango uhlanga lunye ngobubanzi, nomgulugulu omunye uhlanga lunye ngobubanzi.

7 La ti ikamelo ileli la be uhlanga lunye ngobude nohlanga lunye ngobubanzi; napakati kwamakamelo amancinyane izinhlanga ezi isihlanu; nomgulugulu wesango ngasendhlini yesango ngapakati u be uhlanga lunye.

8 Wa linganisano nophahla lwesango ngapakati, ubhlanga lunye.

9 Wa ti wa linganisano nophahla lwesango izingalo ezishiyagalombili; nezinsika zalo izingalo ezimbili; ya ti indhlu yesango ya ba ngapakati.

10 A ti amakamelo amancinyane esango e la bheka indhlela yempumalanga a be matatu ngalapo; isilinganisano sinye si be kuwo amatatu; nesilinganisano sinye kuzo izinsika ngalapa na ngalapa.

11 Wa ti wa linganisano ububanzi bomkati wesango, izingalo ezi ishumi nobude besango, izingalo ezi ishumi natatu.

12 Futi umkaulo ngapakati kwamakamelo, ingalo inye nga lapa, nengalo inye umkaulo ngalapo; a ti amakamelo a ba izingalo ezi isitupa ngalapa, nezingalo ezi isitupa ngalapa.

13 Wa ti wa linganisano isango ku suke opahlweni lwekamelo elinye ku fike opahlweni olunye, ububanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu, umnyango pambi komnyango.

14 Wenza futi izinsika e zi be izingalo ezingamashumi atatisitupa, ku nayo insika yetanga lesango ngokuzungeza.

15 Na sebusweni besango lokungena kubo ubuso bendhlu yesango elingapakati, izingalo ezingamashumi amahlanu.

16 Za ba kona izibuko ezivaliweyo kuwo amakamelo na kuzo izinsika zawo ngapakati kwesango ekuzungezeni, na njalo kuzo izindhlu ezingamayo; nezibuko zi be ngapakati ekuzungezeni; na sensikeni a be kona amasundu.

17 Lapo wa ngi ngenisa etangeni elingapandhle, bhekake, a be kona amakamelo nokugandaywa kwamatye enziwe kulo itanga ekuzungezeni, amakamelo a ngamashumi amatatu a be kuko ukugandaywa.

18 Kwa ti ukugandaywa kwaseceleni lamasango malungana nobude bamasango, kwa be ku ukugandaywa okusezansi.

19 Lapo wa linganisano ububanzi ku suke ebusweni besango elisezansi, kubo ubuso betanga elingapakati, ngapandhle bu be izingalo ezi ikulu empumalanga na senyakato.

20 Nesango kulo itanga elingapandhle okubuka kwalo ku be sendhleleni yenyakato, wa linganisano ubude balo, nobubanzi balo.

21 A ti amakamelo alo a ba matatu

nga lapa, amatatu ngalapa; nezinsika zalo nezindhlu ezingamayo zalo zi be njengokulinganisano kwesango lokuqala; ubude balo bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

22 Nezibuko zalo, nezindhlu ezingamayo zalo, namasundu alo ku be njesilinganisano sesango okubuka kwalo ku be sendhleleni ya sempumalanga; ba ti ba kupukela kulo ngezinyatelo zokukwela ezi isikombisa, za ti izindhlu ezingamayo zi ba pambili kwabo.

23 La ti amakamelo elingapakati la ba nga kulo isango e li bheke enyakato na sempumalanga; yena wa linganisano ku suke esangweni ku ze ku be sesangweni izingalo ezi ikulu.

24 Lapo wa ngi yisa ngendhlela yasingizimu, bhekake isango ngasendhleleni ya seningizimu; wa ti wa linganisano izinsika zalo, nezindhlu ezingamayo zalo njengezilinganisano lezo.

25 Za ti za ba kona izibuko kulo, nasezindhlini ezingamayo ekuzungezeni, njengezibuko lezo; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

26 Za ti za ba kona izinyatelo zokukwela ezi isikombisa, futi izindhlu ezingamayo zi be pambili kwazo; li be namasundu kulo, elinye ngalapa nelinye ngalapa ezinsikeni zalo.

27 La ba kona isango kulo itanga elingapakati ngendhlela ya seningizimu; wa ti wa linganisano ku suke esangweni ku ze ku be sesangweni ngendhlela ya seningizimu izingalo ezi ikulu.

28 Lapo wa ngi zisa kulo itanga elingapakati kulo isango la seningizimu; wa se e linganisano isango la seningizimu njengezilinganisano lezi.

29 Namakamelo alo, nezinsika zalo, nezindhlu ezingamayo zalo, njengezilinganisano lezi; za ti za ba kona izibuko kulo na kuzo izindhlu ezingamayo zalo ekuzungezeni; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

30 Ba ti ubude bezindhlu ezingamayo ekuzungezeni ba ba izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi ba izingalo ezi isihlanu.

31 Za ti izindhlu ezingamayo zalo za

ba ngasetangeni elingapandhle; a ti amasundu a ba sezinsikeni zalo; nokukupuka kwalo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

32 Lapo wa ngi zisa etangeni elingapakati ngasendhleleni ya sempumalanga wa linganisa isango njengezilinganiso lezi.

33 Namakamelo alo, nezinsika zalo, nezindhlu ezengamayo zalo, njengezilinganiso lezi; za ti za ba kona izibuko kulo, na kuzo izindhlu ezengamayo zalo ekuzungezeni; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

34 Za ti izindhlu ezengamayo zalo za ba ngasetangeni elingapandhle; futi a be kona amasundu ezinsikeni zalo ngalapa na ngalapa; nokukupuka kwalo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

35 Lapo wa ngi zisa kulo isango la senyakato, wa linganisa njengezilinganiso lezi;

36 Amakamelo alo, nezinsika zalo, nezindhlu ezengamayo zalo, nezibuko zalo ekuzungezeni; ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bu be izingalo ezingamashumi amabili nesihlanu.

37 Za ti izinsika zalo za zi ngasetangeni elingapandhle; futi amasundu a be sezinsikeni zalo ngalapa na ngalapa; nokukupuka kulo ku be nezinyatelo zokukwela ezishiyagalombili.

38 A ti amakamelo nokungena kwawo a ba ngasezinsikeni zamasango, lapo ba hlanza kona umnikelo wokutyiswa.

39 Endhlini yesango a be kona amatebula amabili ngalapa namatebula amabili ngalapa, ukuhlabela pezu kwawo umnikelo wokutyiswa nowesono nowecala.

40 Na seceleni ngapandhle ekukupukeni kuko ukungena kwesango la senyakato a be kona amatebula amabili; naseceleni elinye e li sendhlini yesango a be kona amatebula amabili.

41 Amatebula amane a be ngalapa, namatebula amane a be nga lapa ngaseceleni lesango; amatebula ashiyagalombili, lapo ba hlaba pezu kwawo.

42 A ti amatebula amane omnikelo wokutyiswa a ba amatye abaziweyo, ubude bu be ingalo inye nenxenye, nobubanzi ku be ingalo inye nenxenye, nokupakama ku be ingalo inye; a ba

beka pezu kwawo izikali a ba hlaba ngazo umnikelo wokutyiswa nohlatywayo.

43 Nezigwegwe zempama inye zi mi siwe ekuzungezeni ngapakati; na sematebuleni i be kona inyama yomnikelo.

44 Kwa ti ngapandhle kwesango elingapakati a ba kona amakamelo abahlabeleli etangeni elingapakati e li seceleni kwesango la senyakato; kwa ti ukubuka kwawo kwa ba sendhleleni ya seningizimu; elinye li be seceleni lesango la sempumalanga, kwa ti ukubuka kwalo kwa ba sendhleleni yasenyakato.

45 We se e tyo kimi, ukuti, Lelikamelo okubuka kwalo ku sendhlini ya seningizimu li elabateteleli, abagecini benkonzo yendhlu.

46 Nalelikamelo okubuka kwalo ku sendhleleni ya senyakato li elabateteleli abagecini benkonzo belati; hona ba ngamadodana ka Zadoki, a pakati kwamadodana ka Levi aba sondela kuJehova ukukonza.

47 Lapo wa linganisa itanga, ubude bu be izingalo ezi ikulu, nobubanzi bu be izingalo ezi ikulu, li nezinhlangothi ezine; la ti ilati la li ngapambili kwendhlu,

48 Wa se e ngi zisa kuyo indhlu yesango lendhlu, wa linganisa insika yendhlu yesango, izingalo ezi isihlanu zi be nga lapa, nezingalo ezi isihlanu zi be ngalapa; ba ti ububanzi besango ba ba izingalo ezintatu ngalapa, nezingalo ezintatu ngalapa.

49 Ubude bendhlu yesango bu be izingalo ezingamashumi anabili, nobubanzi bu be izingalo ezi ishumi nanye; wa ti wa ngi zisa kuzo izinyatelo zokukwela a ba kupukela ngazo kulo; za zi kona isinsika ngakwezinye esinye nga lapa nesinye nga lapa.

#### ISAHLUKO 41.

WA ngi zisa etempelini, wa linganisa izinsika za ba izingalo ezi isitupa ngobubanzi ngalapa, nezingalo ezi isitupa ngobubanzi nga lapa, ububanzi betempeli.

2 Nobubanzi bomnyango ba ba izingalo ezi ishumi; namacele omnyango izingalo ezi isihlanu ngalapa nezingalo ezi isihlanu ngalapa; wa linganisa ubude bawo ba ezingamashumi amane nobubanzi izingalo ezingamashumi amabili.

3 Lapo wa ngena ngapakati, wa linga-

nisa izinsika zomnyango, izingalo ezimbili; nomnyango, izingalo ezi isitupa; nobubanzi bomnyango, izingalo ezi isikombisa.

4 Futi wa linganisa ubude bawo izingalo ezingamashumi amabili; nobubanzi izingalo ezingamashumi amabili ebusweni betempeli; wa se e ti kimi, Lendawo i yingewele yoku ingewele.

5 Lapo wa linganisa udonga lwendhlu izingalo ezi isitupa; nobubanzi beka-melo, emaceleni, izingalo ezine, ekuzungezeni kwendhlu emaceleni onke.

6 A ti amakamelo a semaceleni a ba matatu, ikamelo pezu kwekamelo, kwa pindwa ngamashumi amatatu; a ti a ngena odongeni olu sendhlini ngasemakamelweni ekuzungezeni a be noku-bambelela, kepa a ka banga nakubambelela kulo udonga lwendhlu.

7 Kwa ti kwa ba banzi, kwa zungele-zwa ekukupukeni kuwo amakamelo a semaceleni, ngokuba ukuzungeza kwendhlu kwa ba sekwenyukeni njalo ekuzungezeni kwendhlu; ngako ububanzi ba ba sekwenyukeni, kwa ti kwa kupuka njalo ku suke kwelipansi ku fike kulo elipezulu ngapakati.

8 Nga ti nga bona ukupakama kwendhlu ekuzungezeni; izisekelo zamakamelo za pelela uhlanga lwezingalo ezi isitupa ekuhlanganisweni kwazo.

9 Ububanzi bodonga o lu semakamelweni nga pandhle, bu be izingalo ezi isihlanu; kwa ti loku okushiyelweyo ku be indawo yamakamelo angapakati.

10 Kwa ti ngapakati kwamakamelo kwa ba kona ububanzi bezingalo ezingamashumi amabili ekuzungezeni kwendhlu ngezinhlangothi zonke.

11 Kwa ti umnyango wekamelo wa ba nga kuko okushiyelweyo, umnyango omunye ngasendhleleni ya senyakato, nomnyango omunye ngaseningizimu; futi ububanzi bendawo eshiyelweyo bu be izingalo ezinhlanu ekuzungezeni.

12 Nendhlu e kona ngapambili kwendawo ehlukaniweyo ohlangotini lwa sentyonalanga i be izingalo ezingamashumi a isikombisa ububanzi bayo; futi udonga lwendhlu lu be izingalo ezinhlanu ububanzi balo ekuzungezeni, nobude balo bu be izingalo ezingamashumi ashiyagalolunye.

13 Wa ti wa linganisa indhlu, izingalo ezi ikulu ubude bayo; nendawo ehlukaniweyo, nendhlu, kanye nezindonga zayo, izingalo ezi ikulu ubude;

14 Nobubanzi bobuso bendhlu, nendawo ehlukaniweyo ngasempumalanga bu be izingalo ezi ikulu.

15 Wa linganisa ubude bendhlu ngapambi kwendawo ehlukaniweyo e bi semuva kwayo, nezindhlu ezingamayo zayo ngalapa na ngalapa, izingalo ezi ikulu, kanye netempeli elipakati, nezindhlu zetaunga;

16 Izinsika zeminyango, nezibuko ezivaliweyo, nezindhlu ezingamayo eku-zungezeni kuzo izindhlu ezintatu esinye pezu kwesinye, nga pambi kwomgulgulu ku be iplaukwe lomuti ekuzungezeni, ku suke emhlabtini ku fike ezibukweni, za sibekelwa nezibuko.

17 Kuko o ku pezu komnyango, na ku ko o ku sendhlini ngapakati, na nga pandhle, na ngasodongeni lonke ekuzungezeni ngapakati nangapandhle ngezilinganiso.

18 Kwenziwe ngamakerubi namasundu, la ti isundu la ba pakati kwekerubi nekerubi, kwa ba kona ubuso obubili kulo ikerubi.

19 Bu te ubuso bomuntu ba ba kulo isundu ngalapa nobuso bengonyama entya kulo isandu ngalapa; kwenziwa kuyo yonke indhlu ekuzungezeni.

20 Ku suke emhlabeni ku ze ku be pezu komnyango a be kona amakerubi namasundu enziweyo, ukuti odongeni lwetempeli.

21 Izinsika zomnyango zetempeli, za ba nezinhlangoti ezine; kwa ti ngobuso boku ingewele isimo sobunye sa ba nje-ngesimo sobunye.

22 Flati lomuti li be izingalo ezintatu ngokudepa, nobude balo bu be izingalo ezimbili; amagumbi alo, nobude balo nezindonga zalo, zi be umuti; Yena wa ti kimi, Yileli itebula e li pambi kuka Jehova.

23 Ya ti ya ba kona imivalo emibili kulo itempeli na kuko oku ingewele.

24 Za ti za ba kona izicaba ezimbili kuyo imivalo emibili ependukayo; izicaba ezimbili kuwo umvalo omunye, nezicaba ezimbili kuwo omunye.

25 Kwa ti kwenziwa ku yona, imivalo yetempeli, amakerubi namasundu, njengaloku enziwa ezindongeni; nomgulgulu womuti ebusweni bendhlu yomnyango ngapandhle.

26 Nezibuko ezivaliweyo namasundu ngalapa nangalapa, ngasemaceleni endhlini yomnyango na kuwo amakamelo endhlu, na kuyo imigulgulu.

ISAHLUKO 42.

**L**APO wa ngi yisa etangeni elingapandhile, ngendhlehle e bheka ngasenyakato; wa ngi zisa ekamielweni e li nga pambili kwendawo ehlukani siweyo, e li be pambili kwendhlu ya senyakato.

2 Ebusweni bobude bezingalo ezi ikulu u be kona umnyango wa senyakato, futi ubude bu be izingalo ezingamashumi amahlanu.

3 Nga pambili kwezingalo ezingamashumi amabili kulo itanga elingapakati, na nga pambili kokugandaya o ku be setangeni elingapandhile, izindhlu eze ngamayo zi be sebusweni bezindhlu eze ngamayo ngezinhlala ezintatu ezinye pezu kwezinye.

4 Na ngapambili kwamakamelo kwa ba kona indhlehle yezingalo ezi ishumi ngobubanzi ngapakati, indhlehle yengalo inye; neminyango yawo ngasenyakato.

5 Kwa ti amakamelo angapezulu a finyela; ngokuba izindhlu eze ngamayo zi be zinkulu ku nazo ezingapansi, na kuzo ezingapakati kwendhlu.

6 Ngokuba amakamelo a be nezinhlala ezintatu ezinye pezu kwezinye, kepa za zi ngeko izinsika kuwo a pezulu njengezinsika zamatanga; ngako a finyezwa kunawo a ngapansi, na ku nawo a ngapakati ku suke emhlabatini.

7 Lwa ti udonga o be lu ngapandhile malungana namakamelo ngendhlehle yetanga elingapandhile, ngapambi kwamakamelo, ubude balo bu be izingalo ezingamashumi amahlanu.

8 Ngokuba ubude bamakamelo a be setangeni elingapandhile bu be izingalo ezingamashumi amahlanu, bhakake, ngapambi kwetempeli ku be izingalo ezi ikulu.

9 Ku te ngapansi kwamakamelo lawa, kwa ba kona ukungena kwa sempumalanga, ekungeneni komuntu kuwo e vele etangeni elingapandhile.

10 Amakamelo a be ebubanzini bodonga lwetanga ngendhlehle ya sempumalanga, ngapambi kwendawo ehlukani siweyo, na ngapambili kwendhlu.

11 Ku te indhlehle ngapambi kwawo i be njengesimo samakamelo a be sendhlehleni ngasenyakato, njengobude bawo, na njengobubanzi bawo; nokupuma kwawo konke ku be njengemikuba yawo, na njengeminyango yawo.

12 Na njengeminyango yanamakamelo a be sendhleni ya seningizimu, u be

njalo umnyango ekandeni lendhlehle, indhlehle ngapambi kodonga olu seduze nendhlehle ya sempumalanga ekungene ni kuwo.

13 Lapo wa ti kimi, Amakamelo a senyakato, namakamelo a seningizimu, a nga pambi kwendawo ehlukani siweyo, wona a ngamakamelo a ingewele, lapo abateteleli a ba sondela kuJehova be ya ku dlala kona loku oku ingewele koku ingewele; lapo ba zo hlalisa kona loku oku ingewele koku ingewele, ukuti, umnikelo wokudhla, no wezono, no wamacala; ngokuba indawo i ingewele.

14 Lapo abateteleli be ngena, a ba yi ku puma endaweni e ingewele kulo itanga elingapandhile, na lapo ba ya ku hlalisa izambato zabo a ba konza pakati ngazo; ngokuba ba ingewele bona; bo faka izambato ezinye, ba sondele kuko o ku kubantu.

15 Lapo e se qedile ukulinganisa indhlu engapakati, wa ngi pumisa ngendhlehle yesango obuso balo bu sendhlehleni ya sempumalanga, wa yi linganisa ekuzungezeni.

16 Wa linganisa uhlangoti lwa sempumalanga ngohlanga lokulinganisa, izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa ekuzungezeni.

17 Wa linganisa uhlangoti lwa senyakato izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa ekuzungezeni.

18 Uhlangoti lwa seningizimu wa lu linganisa, izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ngohlanga lokulinganisa.

19 Wa penduka ohlangotini lwa sentyonalanga, wa linganisa izinhlanga ezingamakulu amahlanu ngohlanga lokulinganisa.

20 Ngezinhlangothi ezine wa yi linganisa; udonga lu be kuwo ekuzungezeni, ubude bu be izinhlanga ezingamakulu amahlanu, ukuhlukanisa pakati koku ingewele nokungahlanzekile.

ISAHLUKO 43.

**L**APO wa ngi yisa kulo isango, isango obuso balo bu sendhlehleni yasempumalanga:

2 Bhakake, ukukazimula kukaTixo ka Israeli kweza ku vele endhlehleni ya sempumalanga; la ti izwi lake la ba njengezwi lamanzi amaningi; wa ti umhlaba wa kazimula ngokukazimula kwake.

3 Kwa ti kwa ba njengesimo sesibona-



kaliso e nga si bonayo, njengesibonakaliso e nga si bonayo lapo ngeza ukucita umuzi, futi izibonakaliso zi be njengesibonakaliso e nga si bonayo ngasemfuleni uKebari; nga ti nga wa ngobuso bami.

4 Kwa ti ukukazimula kuka Jehova kweza endhlini ngendhlela yesango eli bheka nga sempumalanga.

5 Wa ti umoya wa ngi pata, wa ngi zisa kulo itanga eli ngapakati; kwa ti, ukukazimula kuka Jehova kwa gewalisa indhlu.

6 Nga ti nga mu zwa e kuluma kimi ngapakati kwendhlu; futi umuntu wa be e mi nga kimi.

7 Yena wa ti kimi, Ndodana yomuntu, indawo yesihlalo sami sobukosi, nendawo yokwenabela kwami, lapo ngo hlala kona pakati kwamadodana a seIsraeli ku ze ku be pakade, negama lami eli ingewe, amadodana a se Israeli a ka yi ku li ngcolisa futi, wona, namakosi awo, ngokupinga kwawo, na ngezidumbu zamakosi awo ezindaweni zawo ezipakamileyo.

8 Ngokumisa umgulugulu wawo kungulugulu wami, nezinsika zawo ngakuzo izinsika zami, nodonga pakati kwami nawo, futi a ngcolisile igama lami ngokunengeka kwawo a kwenzileyo; ngako ngi dlile wona olakeni lwami.

9 Kaloku ma ka suse kimi ukupinga kwawo, nezidumbu zamakosi awo, ngo ti ngi hlale pakati kwawo ku ze ku be pakade.

10 Wena Ndodana yomuntu, bonisa abendhlu ka Israeli, indhlu, ba be namahloni ngokunengeka kwabo; futi ma ba linganise umfanekiso.

11 Noma ba be namahloni ngako konke a ba kwenzileyo, yazisa bona isimo sendhlu, nomkuba wayo, nokupuma kwayo, uokungena kwayo, nezimo zonke zayo, neziyalelo zonke zayo, nezimo zonke zayo, nemiteto yonke yayo: u yi lobe emehlweni abo, ba goine isimo sonke sayo, neziyalelo zonke zayo, ba zenze.

12 Yilo umteto wendhlu; pezu kwisiqongo sentaba icele lonke layo ekuzungezeni li ya kuba ngeweke yokungewe. Bheka, lo u ngumteto wendhlu.

13 Futi yilezi izilinganiso zelati ngezingalo: Ingalo i yingalo nempama, umkati wo ba ingalo, nobubanzi ingalo, necele lalo ku ze ku be semkaulweni wa-

lo ekuzungezeni li ya kuba ubude besandhla; na loku ko ba isiqongo selati.

14 Ku suke emhlabatini ku ze kuko ukwenyuka okuqala ko ba izingalo ezimbili, nobubanzi ingalo inye; ku suke kuko ukwenyuka okuncane ku ze ku be ukwenyuka okukulu ko ba izingalo ezine, nobubanzi ingalo.

15 Ko ti intaba ka Tixo [ukuti, ilati] i be izingalo ezine; futi ku suke kuyo ingonyama ka Tixo [ukuti, ilati] na nga pezulu zo ba kona izimpondo ezine.

16 Ku ya kuti ingonyama ka Tixo [ilati] i be izingalo ezi ishumi nambili ngobubanzi, ubhangoti lwezinhlangoti ezine zalo.

17 Ko ti indawo yokwenyuka i be izingalo ezi ishumi nane ngobude, nezi ishumi nane ngobubanzi ezinhlangotini ezine zayo: necele ekuzungezeni kwayo li be inxenye yengalo; nomkati wayo ingalo ekuzungezeni; nezinyatelo zokukupuka kwalo ukubuka kwayo empumalanga.

18 Lapo wa ti kimi, Ndodana yomuntu, njalo i tyo iNkosi uJehova; Yilezi iziyalelo zelati ngosuku lokwenza kwalo, ukubeka pezu kwalo umnikelo wokutyiswa, nokufafaza pezu kwalo igazi.

19 Ko ti u nike kubo abateteleli abalevi bona abenzalo ka Zadoki, a ba sondela kimi, uku ngi konza, i tyo iNkosi uJehova, inkunzana i be umnikelo wezono.

20 Futi wo tabata inxenye yegazi layo u i beke ezimpondweni ezine zalo, na semagumbeni amane endawo yokufinyezwa, naseceleni ekuzungezeni; u hlanze yona u yi hlaulele.

21 Wo tabata inkunzi yomnikelo wokona futi, a yi tyise endaweni emiselweyo yendhlu ngapandhle kwendawo e ingewele.

22 Na ngosuku lwesibili wo nikela impongo yezimbuzi e nge nacala i be umnikelo wokona, futi bo hlanza ilati njengaloku ba li hlanza ngenkunzi.

23 Ekuqedeni kwako uku li hlansa wo nikela inkunzi e nge nacala, nenqama yezimvu e nge nacala.

24 Wena wo zi nikela paubi kuka Jehova, abateteleli bona ba zo tela usauti pezu kwazo, ba zi nikele umnikelo wokutyiswa kuJehova.

25 Izinsuku ezi isikombisa wo lungisa impongo yomnikelo wokona ngemihla; ba zo lungisa nenkunzi, nenqama yezimvu e ngenacala.

26 Izinsuku ezi isikombisa ba zo hla-ulela ilati, ba li hlanze, ba gewalise isandhla sabo.

27 Noma izinsuku zi pelile, ko ba ngosuku lweshiyagalombili, napambili, ukuba abateteleli benze iminikelo yenu yokutyiswa pezu kwelati, neminikelo yenu yokuhlala kahle; ngi ya kuti ngi namkele, i tyo iNkosi uJehova.

ISAHLUKO 44.

L APO wa ngi buyisele endhleleni ye-lango lendawo e ingewele engapandhle, okubukwa kwalo ku sempumalanga, e la li valekile.

2 Wa ti kimi uJehova, Usango leli li ya ku valwa, a li yi ku vulwa, umuntu a ka yi ku ngena kulo; ngokuba uJehova uTixo kaIsraeli u ngenile ngalo, lona li ya ku valwa.

3 Li be e lesikulu; isikulu so hla-la kulo ukudhla isinkwa pambi ku-ka Jehova; So ngena ngendhlela ye-ndhlu yomnyango wa leli sango, si pume ngendhlela yayo.

4 Lapo wa ngi zisa ngendhlela ye-saango la senyakato ngapambi kwe-ndhlu; nga se ngi buka, bhakake, ukukazimula kuka Jehova kwa gewalisa indhlu ka Jehova; nga ti nga wa ngobuso bami.

5 Lapo uJehova wa ti kimi, Nnodana yomuntu bheka inhliziyoyako, u bone ngamchlo ako, u zwe ngezindhlebe zako konke e ngi ku kuluma kuwe, ngeziyalelo zonke zendhlu ika Jehova, na ngemiteto yonke yayo; u beke inhli-ziyo kuko ukungena kwendhlu, nokupuma konke kwendawo e ingewele.

6 Futi u ya kutyo kubo abapambene-nyo kuyo indhlu ya seIsraeli, Njalo i tyo iNkosi uJehova; Se ku ningi kimi kuko konke ukunengeka kwenu, Ndhlu ya seIsraeli,

7 Ngokungenisa kwenu amadodana abafokazi a ba nejwabu ngenhliziyo, be nejwabu na ngenyama. ba be endaweni e ingewele yami uku yi ngcolisa indhlu yami, lapo ni nikela isinkwa sami, nokunoua, negazi, futi bapulile uvumelwano lwami ngenxa yokunengeka konke kwenu.

8 Futi a ni geinanga ukulinda koku ingewele kwami; kanti ni zimisele abageini bokulinda kwami, ebugeweleni bami.

9 Njalo i tyo iNkosi uJehova, a i yi ku ngena endaweni yami e ingewele

indodana nayodwa yomfokazi e nejwabu ngenhliziyo, e nejwabu na ngenyama, kuwo onke amadodana abafokazi aba pakati kwamadodana a se-Israeli.

10 Ngokuba abaLevi a ba deda kude nami ekubambukeni kwabaIsraeli, a ba pambuka kimi emva kwezitombe, bona ba zo twala ububi babo.

11 Bona ba ya kuba izikonzi ebugeweleni bami, be miselwe emasangweni endhlu, be konza nakuyo indhlu; bona ba ya kuhlaba umnikelo wokutyiswa nokuhlalywa kwabantu, bona ba zo ma pambi kwabo ukubakonza.

12 Ngenxa yokuba ba ba konza pambi kwezitombe zabo, futi ba be kuyo indhlu ya seIsraeli, be ba qubekisela ebubini; ngako ngi pakamisile isandhla sami ngakubo, i tyo iNkosi uJehova, bona ba zo twala ububi babo.

13 Bona a ba yi ku sondela kimi, ukutetelela kimi, nokusondela kuko konke oku ingewele, kuko oku ingewele koku ingewele; futi ba zo twala ihlazo labo, nokunengeka kwabo a ba kwenzi-leyo.

14 Kodwa ngo benza abageini bokulinda kwendhlu, kuko konke ukukonza kwayo, na kuko konke o ku ya kwenzwa kuyo.

15 Kepa abateteleli kaLevi, amadodana ka Zadoki, a ba gcina ukulinda koku ingewele kwami ekupambukeni kwamadodana a seIsraeli kimi, bona ba ya kusondela kimi ukungikonza, bona ba ya kuma pambi kwami ukunikela kimi ukunona negazi, i tyo iNkosi uJehova.

16 Bona ba zo ngena endaweni e ingewele yami ba sondele etebuleni, ukungikonza, futi ba ya kugcina ukulinda kwami.

17 Ko ti ekungeneni kwabo emasangweni etanga elingapakati ba mbatiswe ngezambato zelineni; uboya a bu yi ku za pezu kwabo, be sa konza emasangweni etanga elingapakati, nangapakati.

18 Umsuququlo welineni wo ba ekanda kubo, namabulukwe elineni o ba okalweni lwabo; a ba yi ku binca ku be kona ukujuluka.

19 Na lapo be ya etangeni elingapandhle, kwe li ngapandhle kubantu, bo susa izambato zabo a ba konza ugazo, ba zi hlalise emakamelweni a ingewele, ba fake izambato ezinye; a ba yi kwenza abantu ba be ngewele ngezambato zabo.

20 Futi a ba yi ku pucula amakanda abo, a ba yi ku yeka zi lenge iziwele; bo gunda nokuguuda amakanda abo.

21 Futi a ka yi ku puza iwaini umteteleli noyedwa, uma be ngena etangeni elingapakati.

22 Bona a ba yi ku tabata kubo abafazi, umfelokazi, nolahlwayo; ngokuba ba zo tabata izintombi zenzalo yendhlu ya seIsraeli, noma mhlaumbe ba nga tabata umfelokazi o ngumfelokazi womteteleli.

23 Ba ya kuti ba bonise abantu bami ukuhlukanisa pakati koku ingewele nokungahlukaniswayo, napakati koku ngcolileyo nokuhlazekayo.

24 Ko ti ekupikeni be me bona kuko ukwahlula; ba hlule njengokwahlula kwami; futi ba zo gcina imiteto yami neziyalelo zami emihlanganweni yonke yami, benze a be ngewele amasabata ami.

25 Bona a ba yi ku za kumuntu o fileyo uku zingcolisa; kodwa ngoyise, na ngonina, na ngendodana, na ngendodakazi, na ngomne, na ngodade o nge nandoda, ba nga zingcolisa.

26 Kepa emva kokuhlazwa kwake, wo zibalela izinsuku ezi isikombisa.

27 Ko ti ngosuku e ngena ngalo endaweni e ingewele kulo itanga elingapakati, ukukonza kuko oku ingewele, wo nikela umnikelo wake wokoua, i tyo iNkosi uJehova.

28 Loku ko ba kubo ifa; Mina ngi yi-fa labo; a ni yi ku ba nika inzuzo eIsraeli; Mina ngi yinzuzo yabo.

29 Umnikelo wokutyiswa, no wokona no wecala bona ba ya ku wu dhla; nokuhlukaniselweyo konke eIsraeli ko ba okwabo.

30 Futi ulibo lonke lokuqala lwako konke, nezipo zonke kuzo zonke izipo zenu, zo ba ezabateteli; no nika umteteleli futi ukuqala kwempupu yenu, ukuze a hlalise ubusiso pezu kwendhlu yako.

31 Abateteleli a ba yi ku dhla into efileyo, nedatyulweyo, noma kuzo izinyoni noma kuzo izinkomo.

#### ISAHLUKO 45.

**K**O ti lapo nabele izwe ngenkato li be inzuzo, ni pakamisele kuJehova isipo, indawo e ingewele yezwe; ubude bo ba izinhlanga ezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlumu, nobubanzi zinkulungwane ezi ishumi. Le i

ya kuba ngewele emaceleni onke ayo ekuzungezeni.

2 Kule zo ba kona kuko oku ingewele ezingamakulu amahlanu ngobude, nezingamakulu amahlanu ngobubanzi ezinhlangotini ezine ekuzungezeni; nezingalo ezingamashumi amahlanu indawo yayo engapandhle ekuzungezeni.

3 Futi ku lesilinganiso wo liunganisa ubude bezinkulungwane ezingamashumi amahlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi: ko ti indawo e ingewele i be kuyo noku ingewele koku ingewele.

4 E ingewele kulo izwe yona i ya kuba e yabateteleli abakonzi bendawo e ingewele, aba sondela ukukonza kuJehova; i ya kuba ku bona indawo yezi-dhlu zabo, indawo e ingewele kuko oku ingewele.

5 Ko ti zinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlumu zobude, nezinkulungwane ezi ishumi ububanzi, zi be kubaLevi, aba izikouzi zendhlu, kubona inzuzo ngamakamelo amashumi amabili.

6 Ni ya kuti ni nika inzuzo yomuzi, zinkulungwane ezi isihlumu zobubanzi, nobude obu zinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlumu kanye naso isipo sendawo e ingewele; i ya kuba kuyo indhlu yonke ya seIsraeli.

7 Futi inxenye yo ba kuso isikulu ngalapa nangalapa kwesipo esi ingewele, na kuyo inzuzo yomuzi, ngapambi kwesipo sendawo e ingewele, ngapambi kwenzuzo yomuzi, ku suke ehlangotini lwasentyonalanga ngasentyonalanga, na kulo uhlangoti lwa sempumalanga ngasempumalanga; futi ubude bo ba ekuhlanganeni nesahlukaniso esinye, ku suke eceleni la sentyonalanga ku ze ku be seceleni la sempumalanga.

8 Ezweni ko ba kuso ku be inzuzo eIsraeli; futike izikulu zami a zi yi ku hlupa abantu bami; zona zo nika izwe kuyo indhlu ya seIsraeli njengemindeni yabo.

9 Njalo i tyo iNkosi uJehova ma kwanele kini Zikulu za seIsraeli; dedisani ukuhlupa nokucita, nenze ukwahlula nokulunga, ni suse iziteliso ezihlupisayo kubantu bami, i tyo iNkosi uJehova.

10 Ko ba kini izilinganiso zezisindo ezilungileyo, neefa elungileyo, nenbate elungileyo.

11 Indinganiso nebate, zi ya kuba isilinganiso sinye, ukuze indinganiso i bambe inxenye kwezizishumi zehoma: isilinganiso salo so ba ngokweboma.

12 Ishekeli li ya kuba amagera a amashumi amabili: amashekeli amashumi amabili, amashekeli amashumi amabili nesihlanu, amashekeli a ishumi nesihlanu, a ya kuba imane kini.

13 Yiloku isipo e ni ya ku si pakami-sela: inxenye kwezitupa zendinganiso kulo ihoma lokolweni, nenxenye yo kwesitupa yendinganiso kulo ihoma lebele.

14 Futi umteto wamafuta, ibate lamafuta, ni zo nikela inxenye yeshumi yebate kulo ikori, eli la ihoma mabate a ishumi; ngokuba amabate a ishumi a ihoma.

15 Imvana enye kuzo izimvu ezingamakulu amabili, yemfunda enamanzi ya seIsraeli; i be umnikelo wokudhla no wokutyisa, no wezibongo, ukuhlaula-lela bona i tyo iNkosi uJehova.

16 Bonke abantu bezwe ba ya kupa ku lesisipo, kanye nesikulu esi seIsraeli.

17 Futi ko ba pezu kwesikulu ukunika umnikelo wokutyiswa, nowokutela emibutweni, na ngeziyanga ezitwasileyo, na ngamasabata; na ngemizuzu yendhlu ya seIsraeli; sona si ya kwenza umnikelo wokona, no wokudhla, no wokutyisa, no wezibongo, ukuhlaula-lela indhlu ya seIsraeli.

18 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Ngenyanga yokuqala ngosuku lokuqala lwenyanga, wo tabata inkunzi e yitole lenkomo e nge nacala, u hlaulele indawo e ingwele.

19 Ko ti umteteleli a tabate kulo igazi lomnikelo wokona, a li beke ezinsikeni zendhlu ngasemagumbini amane endawo yokwenyuka latini, na sezinsikeni zesango letanga elingapakati.

20 Na njalo u ya kwenza ngolwesikombisa lwenyanga ngenxa yomuntu o pinda ukona na ngoyisiula; njalo ni ya kuhlaula-lela indhlu.

21 Ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nane lwenyanga ku ya kuba kini ipasika umbuto wezinsuku ezi isikombisa; isinkwa esi nge namvubelo si ya kudhliwa.

22 Ngalolusuku isikulu si ya ku zenzela nabantu bonke bezwe inkunzi yomnikelo wokona.

23 Futi ngeziyanga ezi isikombisa zombuto si ya kwenza umnikelo wokutyisa kuJehova, izinkunzi ezi isikombisa nezinqama ezi isikombisa ezi nge nacala ngemihla leziyinsuku ezi isikombisa; nomnikelo wokona impingo yezimbuzi ngosuku.

24 Futi si ya kwenza umnikelo wokudhla indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, namafuta ibini kuyo indinganiso.

25 Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga, si ya kwenza njengaloku embutweni izinsuku ezi isikombisa, njengomnikelo wokona, na njengawo wokutyiswa, na njengawo wokudhla, na njengawo wamafuta.

ISAHLUKO 46.

**N**JALO i tyo iNkosi uJehova, ukuti, Isango letanga elingapakati, eli buka ngasempumalanga li ya kuvulwa izinsuku ezi isitupa zokusebenza; kepa ngosuku lwesabata li zo vulwa, na ngosuku lwenyanga etwasayo lo vulwa.

2 Ko ti isikulu si ngene ngendhlela yendhlu ya lelisango ngapandhle, si me ngasensikeni yesango, futi abateteleli ba ya kwenza umnikelo wokutyiswa waso, no wezibongo waso, sona so kotama emgulugulwini wesango; lapo so puma; kepa isango a li yi ku valwa ku ze ku be kusihlwa.

3 Futi abantu bezwe ba zo kuleka emnyango walelisango pambi kuka Jehova, ngamasabata, na ngeziyanga ezitwasayo.

4 Ko ti umnikelo wokutyiswa isikulu si ya ku wu nikela kuJehova ngosuku lwesabata u be izimvana zamaduna ezi isitupa ezi nge nacala, nenqama e nge necala.

5 Nomnikelo wokudhla wo ba indinganiso kuyo inqama, na kuzo izimvana umnikelo wokudhla wo ba isipo sesandhla saso, namafuta ibini kuyo indinganiso.

6 Na ngosuku lwenyanga etwasayo wo ba inkunzi itole lenkomo engenacala, nezimvana ezi isitupa, nenqama; zi nga soleki.

7 Sona si ya kwenza umnikelo wokudhla, indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, na ngeziyanga njengaloko isandhla saso si nga tabata, namafuta ibini kuyo indinganiso.

8 Na sekungeneni kwesikulu, so ngena ngendhlela yendhlu yesango leso, so puma na ngendhlela yayo.

9 Kodwa ekungeneni kwabantu bezwe pambi kuka Jehova ngemizuzu, yena o ngena ngendhlela yesango la senyaka ukokotama wo puma ngenendhlela yesango la sezingizimu; no ngena nge-

ndhlela yesango la seningizimu wo puma ngendhlela yesango la senyakato; a ka yi ku buya ngendhlela ya lelosango a ngena ngalo, kanti wo puma ngapambili kwalo.

10 Naso isikulu esi pakati kwabo so ngena ekungeneni kwabo, so puma naksepumeni kwabo.

11 Ko ti emibutweni na semizuzwini umnikelo wokudhla u be indinganiso kuyo inkunzi, nendinganiso kuyo inqama, na kuzo izimvana isipo sesandhla saso, namafuta ihini kuyo indinganiso.

12 Na lapo isikulu si ya kwenza umnikelo wokutya ngenhliziyo, noko mhlambembe umnikelo wezibongo ngenhliziyo kuJehova, umuntu wo si vulela isango eli buka ngasempumalanga, sona so wenza umnikelo waso wokutyiswa, nemnikelo yezibongo njengaloko senza ngosuku lwesabata; lapo so puma; umuntu wo vala isango futi emva kokupuma kwaso.

13 Futi wo yenza imvana yomnyaka munye e nge nacala i be umnikelo wokutyiswa ngemihla kuJehova; kusasa nakusasa wo yenza.

14 Nomnikelo wokudhla wo wenza ukusa nokusa, inxenye kwezi isitupa kuyo indinganiso, namafuta inxenye kwezi isitupa kulo ihini, ukufafaza kanye nempupa; umnikelo wokudhla kuJehova o umteto wa pakade.

15 Bona ba ya kwenza imvana, nomnikelo wokudhla, namafuta kusasa na kusasa i be umnikelo wokutyisa okunjalo.

16 Njalo i tyo iNkosi uJehova ukuti; Uma isikulu si nike isipo komunye wamadodana aso, ifa laso li ya kuba kuwo amadodana inzuzo yawo ngokudhla ifa.

17 Kepa uma si nike isipo sefa laso kuye omunye wezinceku zaso, sona si ya kuba e sake ku ze ku be umnyaka wenkululo; lapo so buyela kuso isikulu, kodwa ifa lake li ya kuba e lamadodana ake.

18 Isikulu a si yi ku tabata kuwo amafa abantu ukubamuka ngenzuzoyabo, kodwa so dhliisa amadodana aso amafa kuwo amafa aso; ukuze abantu bani ba nga hlakazwa yilo kuyo inzuzoyake.

19 Lapo wa ngi zisa ekungeneni oku sohlangotini lwesango kuwo amakamelo ayingewele a kubo abateteleli, oku-

buka kwawo ku senyakato; bhekake, i be kona indawo ngasemuva ngasentyonalanga.

20 Lapo wa ti kimi, Yile indawo lapo abateteleli be ya kubilisa kona umnikelo wecala, nowokona, lapo ba ya kupeka kona umnikelo wokudhla; ukuze ba nga wu pumiseli etangeni eli ngapandhle, ukwenza abantu ba be ngewele.

21 Lapo wa ngi pumisela etangeni eli ngapandhle, wa ngi dhlulisa amagumbi amane etanga; bhekake, itanga egumbini letanga netanga egumbini letanga.

22 Emagumbini amane etanga a be kona amatanga avalelweyo izingalo ezingamashumi amane ngobude, nezingamashumi amatatu ngobubanzi; isilinganiso sinye si be ku lamagumbi amane.

23 Lwa ti lwa ba kona udonga ekuzunguzeni kuwo, ekuzunguzeni kuwo lwamaue, lwenziwe nezindawo zokubilisa pansu kwezindonga ekuzunguzeni.

24 Lapo wa ti kimi, Yile indhlu yababilisayo, lapo abakonzi bendhlu be ya kubilisa kona umnikelo wabantu.

#### ISAHLUKO 47.

**L**APO wa ngi buyisa kuwo umnyango lwendhlu; bhekake amanzi a puma pansu komgulugulu wendhlu ngasempumalanga; ngokuba ubuso bendhlu ba buka empumalanga, futi amanzi a hlika ngapansi, ngasohlangotini lokunene lwendhlu, ngaseningizimu kwelati.

2 Wa ti wa ngi pumisa ngendhlela yesango la sempumalanga, wa ngi zungelezisa ngendhlela engapandhle, kulo isango elingapandhle ngendhlela ukubuka kwayo ku sempumalanga; bhekake, amanzi a consa ngasohlangotini lokunene.

3 Umuntu e sa hamba ngasempumalanga e nentambo esandhlени sake, wa linganisa izingalo ezi inkulungwane, wa ngi welisa emanzini; amanzi a be semaqakaleni.

4 Lapo wa linganisa ezi inkulungwane, wa ngi welisa emanzini; amanzi a be semadoleni. Wa pinda wa linganisa ezi inkulungwane, wa ngi welisa; amanzi a be sokalweni.

5 Wa pinda wa linganisa ezi inkulungwane; kwa ba umfula e be ngi nge wu wele: ngokuba amanzi a e kulile ku amanzi okublanjwa, umfula o be u nge welwe.

6 Lapo wa ti kimi, U bonile loku, Ndodana yomuntu na? Wa se e ngi hambisa, wa ngi buyisela odongeni lomfula.

7 Bhekake, ekubuyeleni kwami odongeni lomfula, i bi kona imiti eminingi kakulu ngalapa nangalapa.

8 Lapo wa ti kimi, Lawamanzi a pumela ekuzungezeni kwasempumalanga, a yeukela ehlane, a ya elwandhle; ko ti wona e pumiselwe elwandhle, amanzi a ya kwelatywa.

9 Ko ti ku be kona ukuba imipefumlo yonke epilayo e kalayo kuzo zonke izindawo lapo imifula i fika kona yo pila: futi zo ba kona izinhlanzi eziningi kakulu, ngokuba lawamanzi e za kona; zo ti zelaywe, zi pile zonke lapo umfula u za kona.

10 Ko ti ku be kona abalobi ba me ngakuwo ku suke En-gedi ku ze ku sEn-eglaini; zi ya kuba izindawo zokweneka amaneta; izinhlanzi zabo zo ba ngohlobo, njegezinhlanzi zolwandhle olukulu, eziningi kakulu.

11 Izindawo ezi nodaka, namacibi a ka yi kwelatywa, o nikwa kusaoti.

12 Futi ngasemfuleni ogwini lwawo ngalapa nangalapo, yo mila imiti yonke yokudhla, ihlamvu layo a li yi ku buna, nezinhlamvu zayo, a zi yi ku qedwa; yo hlanza ezintya ngezinyanga zayo, ngokuba amanzi ayo a puma kuyo indawo e ingewe; futi izitelo zayo zo ba ukudhla, neqabunga layo li be umuti.

13 Njalo i tyo iNkosi uJehova; Yiwona umkaulo, e ni ya kudhla izwe ngawo emindenini eyishumi nambili ya seIsraeli: uJosefa wo ba nezinxenye ezimbili.

14 Futi ni ya kudhla lona, umuntu njengomfo wabo, e nga pakamisela lona isandhla sami ukulinika kubo oyihlo; lona izwe lo ni wela li be ifa.

15 Iwona umkaulo wezwe eceleni la senyakato ku suke elwandhle olukulu ngendhlehle ya seHetloni, ukuza eZedadi;

16 iHamati neBerotha neSibraimi e li pakati komkaulo wa seDamaseku, nomkaulo wa seHamati; iHazar-hatikoni, e li ngasemkaulweni wa seHaurani.

17 Futi umkaulo ku suke elwandhle wo ba iHazar-enani, nomkaulo wa seDamaseku, nenyakato ngasenyakato, nomkaulo wa seHamati. Lona li yicala la senyakato.

18 Futi icala la sempumalanga no li

linganisa pakati kweHaurani neDamaseku, na pakati kweGiladi nezwe la se-Israeli ngaseJoredani, ku suke emikaulweni ku ze ku selwandhle lwa sempumalanga. Lona li yicala la sempumalanga.

19 Futi icala la seningizimu ngaseTemani ku suke eTamai ku ze ku be semanzini a seMeriba eKadeshi umfunla o ya elwandhle olukulu; Lona li yicala la seTemani ngaseningizimu.

20 Futi icala la sentyonalanga lo ba ulwandhle olukulu ku suke emkaulweni ku ze ku fike ngapambi kweHamati; Kona li yicala la sentyonalanga.

21 Njalo ni ya kuzahlukanisela lelizwe njengemindeni ya seIsraeli.

22 Ku ya kuti, ni li dhlese ngenkato li be inzuzo kini, nabafokazi a ba hlezi pakati kwenu, a ba zo zala amadodana pakati kwenu; bona ba ya kuba kini njengomuntu wezwe pakati kwamadodana a seIsraeli; bona ba ya kudhla ngenkato kanye nani inzuzo pakati kwemindeni ya seIsraeli.

23 Ku ti emindenini lapo owezizwe u hlezi kona pakati kwayo, lapo no ni nika inzuzo yake, i tyo iNkosi uJehova.

#### ISAHLUKO 48.

**L**AWA amagama emindeni. Ku suke ekupeleni kwasenyakato kulo icala ngendhlehle ya seHetloni, ukuza kulo iHamati, iHazar-enani, umkaulo wa seDamaseku ngasenyakato kulo icala la seHamati: Yona i ya kuba izinhlangothi zalo ngasempumalanga nase sentyonalanga; inxenye inye kulo iDani.

2 Ku ti ngasemkaulweni wa seDani ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iAsheri.

3 Ku ti ngasemkaulweni wa seAsheri ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iNaftali.

4 Ku ti ngasemkaulweni wa seNaftali ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iManasa.

5 Ku ti ngasemkaulweni wa seManasa ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga inxenye inye kulo iEfraimi.

6 Ku ti ngasemkaulweni wa seEfraimi ku suke ohlangotini lwa sempumala-

nga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, inxenye inye kulo iReuben.

7 Ku ti ngasemkaulweni wa seReubeni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga inxenye inye kulo iJuda.

8 Ko ti ngasemkaulweni wa seJuda ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, ku be kona isipo e ni ya ku si nika sezinhlanga ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu ngobubanzi, na ngobude njengenye yezahlukaniso ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga; futi indawo eyingewele yo ba pakati kwaso.

9 Isipo e ni ya ku si nika kuJehova so ba ubude bezinhlanga ezi izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi.

10 Ko ti isipo lesi esi ingewele si be ku bona, kubateteleli; ngasenyakato ubude bezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, na ngasentyonalanga ububanzi bezinkulungwane ezi ishumi, na ngasempumalanga ububanzi bezinkulungwane ezi ishumi, na ngaseningizimu ubude bezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu; ko ti indawo eyingewele kaJehova i be pakati kwaso.

11 Si ya kuba kubateteleli abahlanziweyo bamadodana ka Zadoki; a ba gcinile ukulinda kwami, a ba nga pambukanga ekupambukeni kwamadodana a seIsraeli, njengaloko abaLevi ba pambuka.

12 Ku ya kuti lesisipo esinikelweyo si be ku bona into eyingewele yokuyingewele kulo icala labaLevi.

13 Futi kanye nalo icala labateteleli, abaLevi lo ba nezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu ngobude, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi: ubude bonke bo ba izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, nobubanzi bezinkulungwane ezi ishumi.

14 Bona a ba yi ku tenga ngalo, ba nga pambanisi ngalo ba nga dhluliseli kwabanye ulibo lwezwe; ngokuba lu ingewele kuJehova.

15 Ko ti izinkulungwane ezi isihlanu ezishiyiweyo zobubanzi ngapambili kwezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu, zi be indawo enga-

hlukaniselwanga kuwo umuzi, indawo yezinhlanga nezindawo zobala; futi umuzi wo ba pakati kwayo.

16 Ku ti yilezi izilinganiso zawo; uhlangoti lwa senyakato izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, nohlangoti lwa seningizimu izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, nohlangoti lwa sempumalanga izinkulungwane ezine namashumi amahlanu, nohlangoti lwa sentyonalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu.

17 Futi izindawo zobala zomuzi zo ba amakulu amabili namashumi amahlanu ngasenyakato, namakulu amabili namashumi amahlanu nga seningizimu, namakulu amabili namashumi amahlanu ngasempumalanga, namakulu amabili namashumi amahlanu ngasentyonalanga.

18 Ko ti indawo eseleyo ebudeni kanye naso isipo sendawo eyingewele i be izinkulungwane ezi ishumi ngasempumalanga, nezinkulungwane ezi ishumi ngasentyonalanga; i ya kuti i be kanye naso isipo sendawo eyingewele; futi ukuveza kwawo ko ba ukudhla ku bona aba konza umuzi.

19 Ku ya kuti bona aba konza umuzi ba wu konze be vela kuyo yonke imindeni ya seIsraeli.

20 Isipo sonke si ya kuba ezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu kuzo izinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu; ni zo nika isipo sendawo eyingewele i nezinhlangoti ezine kuyo inzuzo yomuzi.

21 Ko ti insalo yo ba kuso isikulu ngalapa na ngalapo kuso isipo esi ingewele, na kuyo inzuzo yomuzi, nga pambi kwezinkulungwane ezingamashumi amabili nesihlanu zesipo ku ze ku be semkaulweni wa sempumalanga na ngasentyonalanga nga pambi kwezinkulungwane ezingamashumi amabili ku ze ku be semkaulweni wa sentyonalanga, kanye nezinxenye zesikulu; sona so ba isipo esi ingewele; futi indawo eyingewele yendhlu yo ba pakati kwaso.

22 Futi ku suke enzuzweni yabaLevi, nasenzuzweni yomuzi e semkatini wayo kuso isikulu, indawo e pakati komkaulo wa seJuda nomkaulo wa seBenjamini, i ya kuba kuso isikulu.

23 Ko ti ugemindeni e seleyo ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iBenjamini li be nenxenye inye.

24 Ko ti ngasemkaulweni wa seBenjamini ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga, iSimeoni li be nenxenyene inye.

25 Ko ti ngasemkaulweni wa seSimeoni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iIsaka li be nenxenyene inye.

26 Ko ti ngasemkaulweni wa seIsaka ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku sohlangotini lwa sentyonalanga iZebuloni li be nenxenyene inye.

27 Ko ti ngasemkaulweni wa seZebuloni ku suke ohlangotini lwa sempumalanga ku ze ku be sohlangotini lwa sentyonalanga iGadi li be nenxenyene inye.

28 Ko ti ngasemkaulweni wa seGadi ohlangotini lwa seningizimu ngaseTemani, umkaulo wo ba ukusuka eTema ku ze kuwo amanzi a seMeriba eKadeshi, na kuwo umfula o ngaselwandhle olikulu.

29 Leli li izwe e ni ya kwabela ngalo ngenkato li be inzuzo kuyo imindeni ya seIsraeli, futi zona zi izinxenye zayo, i tyo iNkosi uJehova.

30 Iloku ukupuma komuzi ku suke ohlangotini lwa senyakato izinkulungwane ezine namakulu amahlanu zokulinganisa.

31 Amasango omuzi o tiwa ngamagama emindeni ya seIsraeli; amasango amatatu ngasenyakato; elinye isango la seReubeni, nelinye isango la seJuda, nelinye isango la seLevi.

32 Futi ngasohlangotini lwa sempumalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu; amasango amatatu; elinye isango la seJosefa, nelinye isango la seBenjamini, nelinye isango la seDani.

33 Futi uhlangoti lwa seningizimu izinkulungwane ezine namakulu amahlanu zokulinganisa; amasango amatatu; elinye isango la seSimeoni, nelinye isango la seIsaka, nelinye isango la seZebuloni.

34 Futi uhlangoti lwa sentyonalanga izinkulungwane ezine namakulu amahlanu, amasango amatatu ayo: elinye isango la seGadi, nelinye isango la seAsheri, nelinye isango la seNaftali.

35 Kwa ba sekuzungezeni izinkulungwane ezi ishumi neshiyagalombili zokulinganisa; Ko ti igama lomuzi ku suke ku lolusuku li be, uJehova u lapa.

## INCWADI KA DANYELI.

### ISAHLUKO 1.

**N**NGONYAKA wesitatu wokubusa ku ka Jehoakimu inkosi yabaJuda, weza uNebukadnezari inkosi ya seBabulona eJerusalema, wa li vimbezela.

2 Ya ti iNkosi ya m nikela uJehoakimu inkosi yabaJuda esandhleni sake, nezinye zezitya zendhlu ka Tixo; wa zi yisa ezweni la seShinari endhlini yesitixosake, wa se e zi ngenisa izitya endhlini yengebo yesitixosake.

3 Ya ti inkosi ya m yaleza uAshpenazi induna yabatenwa bayo; a lete abanye bamadodana abaIsraeli, abenzalo yenkosi, nabezikulu.

4 Abantwana aba nge nasifamfa, kodwa abahle ngesimo; abaqondileyo ekuhlakanipeni konke, abaziyo ngokwazi, abezwisisayo ngokwaziwayo, aba nokukutala ukuma endhlu enkulu yenkosi; a ba fundise imibalo nolimi lwabaKaldi.

5 Ya ti inkosi ya babeli ngenihla

isabelo sosuku sokudhla kwenkosi, nasewaini e li puzayo; i bondhle njalo iminyaka emitatu, ukuze ekupeleni kwayo be me ebusweni benkosi.

6 Kwa ti kwa be ku kona pakati kwabo abamadodana ka Juda, uDanyeli, noHanania, noMishali, noAzaria.

7 Ya ti induna yabatenwa ya ba ta amagama: ya se i mu ta uDanyeli uBelteshazari, noHanania uShadraki, noMishali uMeshaki, noAzaria uAbednego.

8 Kepa uDanyeli wa ti enhliziyweni yake ukuba a so za a zitunise ngokudhla kwenkosi, na ngewaini e li puzayo, ngako wa nxusa kuyo induna yabatenwa ukuze a nga zitunisi.

9 Ku te uTixo wa be e m nikile uDanyeli umusa nokuhaukelwa ebusweni benduna yabatenwa.

10 Lapo induna yabatenwa ya ti kuDanyeli; Ngi yesaba umninlmina iuko-



si, o wabele ukudhla kwenu nokupuza kwenu; ngokuba yini ukuba e za ku bona ubuso benu bondile ku nabantwana aba intanga yenu na? ku ya kuti ni ngi lahlise ikanda lami enkosini.

11 Lapo uDanyeli wa ti kuMelzari o misile induna yabatenwa pezu kuka Danyeli noHanania noMishali noAzaria,

12 Linga izinceku zako ngi ku ncenga izinsuku ezi ishumi, ma ba si nike izikafu si dhle, namanzi si puze.

13 Lapo ma ba bone isimo setu pambi kwako, nesimo sabantwana a ba dhla ukudhla kwenkosi, na njengaloko u bona, wenze ngezinceku zako.

14 Wa ti wa ba vumela ngalento, wa ba linga izinsuku ezi ishumi.

15 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezi ishumi isimo sabo sa bonakala, sihle si kulupele izinyama ku nabantwana bonke abadhla ukudhla kwenkosi.

16 Kwa tike uMelzari wa susa ukudhla kwabo, newaini labo lokupuzwa, wa ba nika izikafu.

17 Kepa labantwana abane uTixo wa ba nika ukukumbula nokuqonda nge-mibalo yonke, nokuhlakanipa; futi uDanyeli wa azisisa ngezibonakalo zonke namapupo.

18 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku inkosi ya be i tyilo ukuba i zo ba ngenisa ngazo, induna yabatenwa ya ba ngenisa ebusweni buka Nebukadnezari.

19 Ya ti inkosi ya kuluma nabo, kepa a ku funyanwanga pakati kwabo bonke, onjengoDanyeli, noHanania, noMishali, noAzaria, ngako be ma ebusweni benkosi.

20 Kwa ti ngezindaba zonke zokuhlakanipa nezokwazisisa eya ba buza ngazo inkosi, ya ba fumana be bahlula kashumi amaqile nabaMagi bonke embusweni wonke wake.

21 Wa ti uDanyeli wa ba kona kwa za kwa ba umnyaka wokuqala ka Kuresi inkosi.

### ISAHLUKO 2.

**E**MNYAKENI wesibili wokubusa ku-ka Nebukadnezari, uNebukadnezari wa pupa amapupo, wa ti umoya wake wa katazeka; ba m putela ubutongo.

2 Lapo inkosi ya yaleza ukubiza amaqili, nabaMagi, nezinyanga, nabaKaldi ukucasisele inkosi amapupo ayo; ba ti be za be ma ebusweni benkosi.

3 Ya se i ti inkosi kubona; Ngi pupe ipupo; wa ti umoya wami wa katazeka ukulazi ipupo.

4 Lapo abaKaldi ba kuluma kuyo inkosi ngokwamaAramia, Nkosi mana njalo! tyela izinceku zako ipupo, so bonisa ukucasisele.

5 Inkosi ya pendula ya ti kubaKaldi, Izwi li pumile kimi, uma ni nga ngazisi ipupo nokucasisele kwalo, ni zo xotywa, zi ti izindhlu zenu zenziwe izala.

6 Kanti uma ni bonisa ipupo nokuucasisele kwalo, ni ya kwamkela izipo, nomvuso, nodumo olukulu pambi kwami, ngako ngi tyeleni ipupo nokuucasisele kwalo.

7 Ba buya ba pendula, Inkosi ma i tyele izinceku zayo ipupo, so ti si bonise ukucasisele kwalo.

8 Inkosi ya pendula ya ti, Ngi yazi isibili ukuba ni zenzela isikati, ngokuba ni bona ukuba izwi li mukile kimi.

9 Kepa uma ni nga ngazisi ipupo, ku kona isiyalezelo sinye kini; ngokuba ni lungisele amazwi amanga, amabi, ukukuluma pambi kwami, ku ze ku dhule isikati; ngako ngi tyeleni ipupo, ngi za kwazi ukuba ni nga bonisa ukucasisele kwalo.

10 AbaKaldi ba pendula pambi kwenkosi ba ti, Amuko umuntu emhlabeni o nga bonisa indaba yenkosi; ngako a kuko inkosi nomkulu, nobusayo, o buza indaba e njengale eqilini, nakuMagi nakumKaldi noyedwa.

11 Futi indaba inkosi e yi buzayo i lukuni, amuko omunye o nga yi bonisa pambi kwenkosi, kupela otixo onhlalo yabo a iko enyameni.

12 Ngaloku inkosi ya tukutela, ya ba nolaka olukulu, ya yaleza ukuba ba bulawe bonke abahlakanipileyo ba seBabulona.

13 Sa ti isiyalezelo sa puma ukuba abahlakanipileyo ba bulawe, ba ti ba m funa uDanyeli, nabangane bake ukuba ba bulawe.

14 Lapo uDanyeli wa pendula ngokuqapela, na ngokuqonda kuArioki umholi wezinhlomeli zeukosi, o be e pumile ukubulala abahlakanipileyo ba seBabulona.

15 Wa pendula wa ti kuArioki induna yenkosi, Lesisimemezelo esisabekayo si pume ngani kuyo inkosi na? Lapo uArioki wa m azisa uDanyeli indaba.

16 Wa ti uDanyeli wa ngena, wa cela kuyo inkosi i m nike isikati, a ze a bonise inkosi ukucasisele.

17 Wa se e buyela uDanyeli endhlini

yake, wa yazisa indaba kuHanania, nó-Mishali, noAzaria, abangane bake.

18 Ukuze ba cele isisa kuTixo wezulu nga lemfihlakalo; ukuba uDanyeli nabangane bake ba nga bujiswe kanye nabanye abahlakanipileyo ba seBabulona.

19 Lapo imfihlakalo ya boniswa kuDanyeli esibonakalweni sobusuku; uDanyeli wa se e m bonga uTixo wezulu.

20 uDanyeli wa pendula wa ti, Igama lika Tixo ma li bongwe kwapakade ku ze ku be pakade, ngokuba okwake ukuhlakanipa namandhla.

21 U ti yena u ya pendula izikati, nemizuzu, u susa amakosi, u misa amakosi; u nika ukuhlakanipa kwabahlakanipileyo nokwazi kubo abazi ukwazisisa.

22 Yena u bonisa okujulileyo, nokusitekileyo; wazi oku sebunyamani, ku ti ukukanya ku hlezi kuye.

23 Ngi ya kubonga, ngi ku babaze Tixo wa obaba, o ngi nikile ukuhlakanipa, namandhla, futi izicelelo e sa cela kuwe u ngazisile zona; ngokuba u sazisile indaba yenkosi.

24 Ngaloku uDanyeli wa ngena kuArioki e ya bi m misile inkosi uku bulala abahlakanipileyo ba seBabulona; wa ya wa kuluma njalo kuye; U nga bulali abahlakanipileyo ba seBabulona, ngi ngenise pambi kwenkosi, ngi ya ku yi bonisa inkosi ukucasisela.

25 Lapo uArioki wa tyetya wa ngenisa uDanyeli ebusweni benkosi, wa ti kuyo njalo: Ngi fumene umuntu wabantwana bokutunjwa ba seJudia o ya ku yazisa inkosi ukucasisela.

26 Inkosi ya pendula ya ti kuDanyeli o gama lake li uBeltshazari, U nga ngazisa ipupo e ngi li pupileyo, nokucasisela kwalo na?

27 uDanyeli wa pendula pambi kwenkosi wa ti, Imfihlakalo inkosi e yi buzayo, abahlakanipileyo, nabaMagi, namaqile, nezanusi a ba nge bonise inkosi yona;

28 Kodwa u kona uTixo ezulwini o bonisa izimfihlakalo, wazisa inkosi uNebukadnezari loku o ku zo ba kona ezinsukwini zokugcina; Ipupo lako, nesibonakalo sekanda lako okukweni lwako ku i loku.

29 Wena Nkosi izieabango zako okukweni lwako za vukela loko o ku ya kuba kona emva kwaloku kuti o bonisa izimfihlakalo u kwazisa loko o ku zo ba kona;

30 Kepa mina, a si ko ngokuhlakanipalo o ku kumina nga pezu kwabo bonke aba se kona, ukuba lemfihlakalo i bonakaliswa kimi; kodwa ngaloku ukuba ba yazise inkosi ukucasisela, nokuba u zazi izieabango zenhliziyi yako.

31 Wena Nkosi wa be u bona, bhekake isitombe esikulu, lesisitombe esikulu, ukukazimula kwaso kwa ba kuhle, se ma pambi kwako, nesimo saso si sabeka.

32 Ikanda lesitombe li be igolide elihle, isifuba saso, nezingalo zaso isiliva, isisu saso, namatanga aso itusi;

33 Imilenzi yaso insimbi, izinyawo zaso inxenye iusimbi nenxenye idongwe.

34 Wa se u bona kwa za kwa sikwa itye ku nge ngezandhla, e la tyaya isitombe ezinyaweni zaso ezi insimbi nedongwe la zi coboza.

35 Lapo kwa cobozwa kanye insimbi, nedongwe, netusi, nesiliva, negolide, kwa ba njengamakoba esibuya sehlobo; a suswa umoya, a ka tolelwanga ndawo; la ti itye e la tyaya isitombe la ze la ba intaba enkulu, la gewalisa umhlaba wonke.

36 Leli li ipupo, nokucasisela kwalo si ya kukutyi pambi kwenkosi.

37 Wena, Nkosi, u inkosi yamakosi, ngokuba uTixo wezulu u ku nikile umbuso, namandhla, nodumo.

38 Na sezindaweni zonke lapo abantwana babantu ba hlezi kona, izilwane za sendhle, nezinyoni zezulu u zi nikile esandhleni sako; wenzile ukuba wena u buse pezu kwazo zonke; Wena u yilo ikanda legolide.

39 Nasemva kwako, ku ya kuvuka umbuso omunye omncane ku nawe, nomunye umbuso owesitatu wetusi, o ya ku busa emhlabeni wonke.

40 Ku ya kuti umbuso wesine u be lukuni njengensimbi; ngokuba insimbi i ya coboza i gaye konke; na njengensimbi e fohloza loku konke; u za ku coboza, u fohloze.

41 Na ngokuba wa bona izinyawo nezinzwane, inxenye i be ibumba, lombumbi, nenxenye i be insimbi, umbuso wo ba wahlukene; noko ko ba kuwo ubulukuni bensimbi, ngokuba wa bona insimbi i hlanganisiwe nedongwe.

42 Ku ti izinzwane nezinyawo zi be inxenye yensimbi, nenxenye yebumba, njalo inxenye yombuso yo ba lukuni, nenxenye yawo yo ba inhlakanihlaka.

43 Nga loku wa bona insimbi i hlanguanisiwe nedongwe, ba zo hlangana nenzalo yabantu, kepa a ba yi ku name telana omunye nomunye njengaloko nensimbi a i hlangani nebumba.

44 Ezinsukwini za lamakosi, uTixo wezulu wo misa umbuso o nga yi ku citwa ku ze ku be pakade; wa ti umbuso u nga shiyelwa kwabanye abantu, u zo cobozo u qede lemibuso yonke, wona u ya kuma ku ze ku be pakade.

45 Ngokuba wa bona ukuba itye la sikwa entabeni ku nge ngezandhla, nokuba la coboza insimbi, netusi, nebumba, nesiliva, negolide; uTixo omkulu u yazisile inkosi loko o ku za ku ba kona enva kwa loku, ku ti ipupo li qinisile, nokucasisela kwalo ku kolisile.

46 Lapo inkosi uNebukadnezari wa wa pansi ngobuso bake, wa dumisa uDanyeli, wa yaleza ukuba umnikelo, nempepo i telelwe kuye.

47 Inkosi ya kuluma kuDanyeli, ya ti, Ku iqiniso ukuba uTixo wenu u nguTixo wotixo, u umninimakosi, o bonakalisa izimfihlakalo, ngokuba wa ba namandhla wena ukubonisa lemfihlakalo.

48 Lapo inkosi ya m enza uDanyeli a be omkulu, ya m nika izipo ezikulu eziningi; ya m enza a buse pezu kwezwe lonke la seBabulona, umhlo wababusi pezu kwabahlakanipileyo bonke ba seBabulona.

49 Wa ti uDanyeli wa cela kuyo inkosi, ya se i misa uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego pezu kwezindaba zelizwe, kepa uDanyeli wa be sesangweni lenkosi.

### ISAHLUKO 3.

U NEBUKADNEZARI inkosi wenza isitombe segolide, ukudepa kwaso ku be izingalo ezingamashumi a isitupa; wa si misa etafeni la seDura, ezweni la seBabulona.

2 Lapo uNebukadnezari inkosi wa tuma ukuhlanganisa ababusi, nezinduna, namaduna, nabanqumi bamacala, nabagecingebo, nababuzeli, nabafundile emtetweni, nabo bonke ababusi bamazwe, ba be kona ekumisweni kwesitombe uNebukadnezari inkosi a si miseleyo.

3 Lapo ababusi, nezinduna, namaduna, nabanqumi bamacala, nabagecingebo, nababuzeli, nabafundile emtetweni, nabo bonke ababusi bamazwe,

ba butana ekumisweni kwesitombe, uNebukadnezari inkosi a si miseleyo, be ma pambi kwesitombe uNebukadnezari inkosi a si miseleyo.

4 Lapo ummemezi wa mema ngamaudhla, Ki nina ku menyezela, bantu, zizwe, zilimi;

5 Ngesikati ni zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma; ukuba ni we pansi ni dumise isitombe segolide uNebukadnezari inkosi a si miseleyo.

6 Ko ti yena o nga wi pansi, a dumise, ngalesosikati a ponswe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

7 Ngaloku ngalesosikati abantu bonke be zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nezinhlobo zonke zokuvuma; abantu bonke, nezizwe, nezilimi ba wa pansi, ba dumisa isitombe segolide uNebukadnezari inkosi a si miseleyo.

8 Ngaloku nga lesosikati abantu abakaldi ba sondela ba hleba abajuda.

9 Ba kuluma, ba ti, kuNebukadnezari inkosi, Nkosi mana njalo!

10 Wena Nkosi u bekile isiyalezelo, ukuba bonke abantu a ba ti se be zwa ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma; ba we pansi, ba dumise isitombe segolide.

11 Ko ti yena o nga wi pansi, a dumise, a ponswe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

12 Ba kona abantu abajuda o ba misile pezu kwezindaba zelizwe la seBabulona, uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego; lamadoda a ka naki wena Nkosi, a ka konzi izitixo zako, a ka dumisi nesitombe segolide o si miseleyo.

13 Lapo uNebukadnezari ngolaka, na ngokuvuta wa yaleza ukuzisa uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, ba ti ba zisa lamadoda pambi kwenkosi.

14 uNebukadnezari wa kuluma wa ti ku bona, Ku ngamabomu ini Shadraki, Meshaki, noAbed-nego a ni konzi izitixo zami, nesitombe segolide e ngi si miseleyo a ni si dumisi na?

15 Kaloku uma ni lungile ngesikati ni zwa ngaso ukukala kwetilongo, nengxola, nogumbu, nenkohlisa, nomqangi, nemityingo, nezinhlobo zonke zokuvuma, ni we pansi ni dumise isitombe e ngi senzileyo, kuhle, kanti uma

a ni dumisi sona, no ponswa ngalesosikati pakati kwesitando somlilo ovutayo; mupi loTixo o nga ni sindisa esandhlani sami na?

16 oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, ba pendula ba ti kuyo inkosi, Nebukadnezari a si dingi tina ukupe ndula kuwe nga lendaba.

17 Bheka u kona, uTixo wetu e si m konzayo o namandhla ukusisindisa esitandweni somlilo ovutayo, nasesandhlani sako nkosi u zo si sindisa.

18 Noma e nga kwenzi, ku ya kwaziwa kuwe nkosi ukuba a si zo konza izitixi zako, nesitombe segolide o si misileyo a si zi uku si dumisa.

19 Lapo uNebukadnezari wa gwala ukuvuta, sa ti isimo sobuso bake sa nyukubala nga kuShadraki, noMeshaki, noAbed-nego; wa kuluma, wa yaleza ukubasela isitandweni kakombisa ngapezu kwa loku o kwa bonwa si baselwa ngako.

20 Wa se e yaleza amadoda anajaha empi yake ukubopa oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, noku ba ponsa esitandweni somlilo ovutayo.

21 Lapo lamadoda a botywa a sezingutyeni zawo, na semabantyni awo, nasekushuquleni kwawo, na sezambatwini ezinye zawo, a ponswe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

22 Ngako ngokuba isiyalezelo senkosi si be nemfuto, futi isitando sa si baselwa kakulu, ilangabi lomlilo la bulala lamadoda a tabata oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego.

23 A ti lamadoda omatatu uShadraki, noMeshaki, noAbed-nego a tyona e botyiwe pakati kwesitando somlilo ovutayo.

24 Labo uNebukadnezari inkosi wa mangala, we suka masinyane, wa kuluma wa ti kuyo impakati yake; A si ponsanga ini amadoda amatatu abotyiweyo pakati komlilo? Ba pendula ba ti kuyo inkosi, U qinisile Nkosi.

25 Wa pendula wa ti, Bheka, ngi ya bona amadoda anane akululekileyo a haamba pakati komlilo, futi, a ku ko ukonakala ku wona, si ti isimo seyesine si ya fana nendodana yotixo.

26 Lapo uNebukadnezari wa sondela emnyango wesitando somlilo ovutayo, wa pendula wa ti, Shadraki, Meshaki, noAbed-nego, zinceku zika Tixo opakamileyo, pumani ni ze lapa. Lapo ba puma oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, pakati komlilo.

27 Kwa ti ababusi, nezinduna, nama-duna, nempakati yenkosi se i hlanguene, ya bona lamadoda, umlilo u bu nge namandhla pezu kwemizimba yawo, ku te unwele lwamakanda awo a lu hamukanga, nezingubo zawo a zenakalanga, nokunuka komlilo a kuzanga pezu kwazo.

28 Wa se e kuluma uNebukadnezari wa ti, Ma ku bongwe uTixo wabo oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego, o tumile ingelosi yake, e sindisile izinceku zake e zi be zi temba kuye, zi pambene nezwi leukosi, zi nikile imizimba yazo, ukuze zi nga konzi, zi dumise uTixo noyedwa ukupela uTixo wazo.

29 Ngako ngi beka isiyalezelo, ukuba abantu bonke, nezizwe, nezilimi e zi kuluma okubi nga kuTixo ka Shadraki, noMeshaki, noAbed-nego, zo xotywa, nezindhlu zazo zi za kwenziwa izala, ngokuba a ku ko uTixo omunye o nga sindisa njengaloku.

30 Lapo inkosi ya benza ba be ba kulu oShadraki, noMeshaki, noAbed-nego ezweni la seBabulona.

#### ISAHLUKO 4.

U NEBUKADNEZARI inkosi, kubo abantu bonke, nezizwe, nezilimi e zi hlezi emhlabeni wonke. Inhlalo enhle yenu ma i vame.

2 Kwa ku kuhle kimi ukutyela iziboniso, nemimangaliso uTixo opakamileyo a yenze nga kimi.

3 Iziboniso zake zi kulu kangakanani! nemimangaliso yake i namandhla angakanani! Unibuso wake u ngumbuso ogunapakade, nokubusa kwake okwezizukulwane nezizukulwane.

4 Mina Nebukadnezari nga be ngi pumula endhlani yami, ngi nenhlanhla esigodhlweni sami.

5 Nga bona ipupo, la ti la ngetusa, nezicabango zani okukweni lwani, nezibonakaliso zekanda lami za ngesabisa.

6 Ngako nga beka isiyalezelo ukungenisa pambi kwami bonke abahlakanipileyo ba seBabulona, ukuze ba ngazise ukucasisela kwepupo.

7 Lapo kwa ngena amaqile, nabaMagi, nabaKaldi, nezanusi, nga tyo ipupo pambi kwabo, kepa ukucasisela kwalo a ba ngazisanga kona.

8 Kepa emuva wa ngena uDanyeli pambi kwami, ogama lake li uBeltesazari ngokweguma lotixo wami, o nomoya wotixo abangewe, nga se ngi tyela ipupo pambi kwake, ngokuti,

9 Belteshazari, sikulu samaqile, ngokuba ngi yazi ukuba umoya wotixo abangewele u kuwe; futi a i ku katazi imfihlakalo neyodwa; ngi tyele izibonakalo zepupo lami e ngi li bonileyo, nokucasisela kwalo.

10 Za ba njaloke izibonakalo zekanda lami okukweni lwami; nga be ngi bona, bhakeke umuti pakati komhlaba, nokudepa kwawo kwa ku kulu.

11 Umuti wa kula wa ba namandhla; kwa ti ukudepa kwawo kwa finyelela ezulwini; nokubonakala kwawo eku-gcineni komhlaba wonke.

12 Amahlamvu awo a be mahle, nezinhlamvu zawo eziningi, wa u nokudhla kwabo bonke; kwa ti izilwane za sendhle za ba nomtunzi pansi kwawo, nasemagatyeni awo za hlala izinyoni zezulu, ya ti inyama yonke yondhliwa kuwo.

13 Nga be ngi bona ezibonakalweni zekanda lami okukweni lwami, bhakeke, umlindi, ukuti oyingewele ehla ezulwini.

14 Wa memeza ngamandhla, wa tyo ukuti, Gaula umuti, u nqume amatyaya awo, u vutulule amahlamvu awo, u hlakeze izinhlamvu zawo; izilwane ma zi suke pansi kwawo, nezinyoni emagatyeni awo.

15 Noko shiya isiqu sezimpande zawo emhlabatini, si nesibopo sensimbi netusi ngasezitonjeni zomhlabati; ma si netwe amazolo ezulu, nenxenye yake i be nezilwane etyanini ba sendhle.

16 Inhliziyo yake ma i pendulwe kwe yabantu, a nikwe inhliziyo yesilwane; futi izikati ezi isikombisa ma zi dhlule pezu kwake.

17 Ngommemezo wabalindi ku kona lokukwahlula, nesiyalezelo sabayingewele si yisimemezelo lesi; ukuze abakoyo bazi ukuba Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a wu pe kuye a m tandayo, e misa pezu kwawo otobekileyo wabantu.

18 Lelipupo mina Nebukadnezari inkosi ngi li bonile, ma u ti wena Belteshazari u tyele ukucasisela, ngokuba abahlakanipileyo bonke bombuso wami, a ba namandhla uku ngazisa ukucasisela; kodwa wena u namandhla, ngokuba umoya wotixo abayingewele u kuwe.

19 Lapo uDanyeli ogama lake li ngu-Belteshazari wa dumala ngehora linye nezicabango zake za m tutumelisa. Inkosi ya pendula ya ti, Belteshazari,

ipupo nokucasisela ma ku nga ku tutumelisi. uBelteshazari wa pendula wa ti, ninimina, ipupo ma li be ku bona aba ku zodayo, noku casisela kwalo kuzo izita zako.

20 Umuti owa wu bonayo, owa kula, wa ba namandhla, okudepa kwawo kwa finyelela ezulwini; nokubonakala kwawo emhlabeni wonke;

21 Omahlamvu awo a be mahle, nezinhlamvu zawo eziningi, nokudhla kwabo bonke kuwo; pansi kwawo izilwane za sendhle za ba nomtunzi, nasemagatyeni awo za hlala izinyoni zezulu.

22 U wena nkosi o kulile o namandhla, ngokuba ubukulu bako bu kulile, bu finyelele ezulwini; nokubusa kwako eku-gcineni komhlaba.

23 Na ngokuba inkosi ya bona unlinde ukuti oyingewele ehla ezulwini, e ti, Gaula umuti, u wu bubise; noko shiya isiqu sezimpande zawo emhlabatini, si nesibopo sensimbi netusi ezitonjeni zomhlabati; ma si netwe umbete wezulu, nenxenye yake i be nezilwane za sendhle, zi ze zi dhlule pezu kwake izikati ezi isikombisa;

24 Loku ku ngukucasisela nkosi; nokwahlula kwake Opakamileyo iloku o ku ze pezu komnini mina inkosi.

25 Ba ya kuti ba ku xotyebantwini, ku ti inhlalo yako i be nezilwane za sendhle; ba ku dhlise utyani njengezinkomo, ba ku netise ngombete wezulu, ku ti izikati ezi isikombisa zi dhlule pezu kwako, u ze wazi ukuba Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a wu nike kuye a m tandayo.

26 Na ngokuba ba yaleza ukushiya isiqu sezimpande zawo umuti, umbuso wako u me kuwe; emva kokuba wazi ukuba izulu li ya busa.

27 Ngako, nkosi isiyalelo sami ma si vumeke kuwe, u ngamule ukwona kwako ngokulunga, nokupambeka kwako ngokuba nomusa ezimpofaneni; mhla-umbe ku nga ba ukujobelela kokupumula kwako.

28 Loku konke kwa fika kuNebukadnezari inkosi.

29 Ekupeleni kwezinyanga ezi ishumi nambili wa e hamba endhlunkulu yombuso wa seBabulona.

30 Inkosi ya kuluma ya ti, Leli a si lo iBabulona elikulu e ngi lakele, li be indhlu yombuso, nokwahlula kwamandhla ami, li be futi ukuhlaba kobukosi bami na?

31 Izwi li se semloniyeni wenkosi, kwa wa izwi li vele ezulwini la ti, Ku wena nkosi Nebukadnezari ku kulunyiwe, umbuso se u sukile kuwe.

32 Bo ti ba ku xotya kubantu, ku ti inhlalo yako i be nezilwane za sendhle, ba ku dhlise utyani njengezinkomo; ko ti izikati ezi isikombisa zi dhlule pezu kwako; u ze wazi ukuba Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a wu nike kuye a m tandayo.

33 Nga lesosikati izwi la fezwa pezu kuka Nebukadnezari; wa ti wa xotywa kubantu, wa dhla ntyani, wa ti umzimba wake wa netwa umbete wezulu za ze izi-nwele zake za kula njengazo e zenqe, nezinzipo zake njengazo e zezinyoni.

34 Ekupeleni kwezinsuku mina Nebukadnezari nga pakamisela amehlo ami ezulwini; kwa ti ukwazisiza kwami kwa buyela kimi, nga za nga m bonga Opakamileyo, nga babaza nga kulisa yena o hlezi pakade, okubusa kwake ku ngukubusa oku pakade, nombuso pezu kwezizukulwane nezizukulwane.

35 Futi bonke aba hlezi emhlabeni ba balelwe ize, wenza njengentando yake empini ya sezulwini na kwaba hlezi emhlabeni; futi a muko o nga pebeza isandhla sake, a ti kuye, Wenzani na?

36 Nga lesosikati ukwazisiza kwami kwa buyela kimi; ukuze ku be udumo lombuso wami, ubukosi bami, nokukazimula kwami kwa buyela kimi; ya ti impakati, nabakulu bami ba ngi funa; nge za nga lungiswa embusweni wami, nobukulu banezelwa kimi kakulu.

37 Kaloku mina Nebukadnezari ngi babaza, ngi pakamisa, ngi kulisa iNkosi yezulu, imisebenzi yayo yonke i iqiniso, nezindhlela zayo ukwahlula; futi bona aba hamba ngokuzidhla, u namandhla uku ba dumaza.

#### ISAHLUKO 5.

**UBELSHAZARI** inkosi wenzele abakulu bake aba inkulungwane idili elikulu, wa puza iwaini pambi kwaba inkulungwane.

2 uBelshazari e sa li zwa iwaini wa yaleza ukuleta izitya zegolide nezesiliva uNebukadnezari uyise a zi kipa etempeleni eli be li seJerusalema; ukuze inkosi, nabakulu bayo, nabafazi bayo, nabo a bawo umudhlunkulu wayo ba puze ngazo.

3 Lapo ba leta izitya zegolide e za kitywa etempeleni e li indhlu ka Tixo e

be i seJerusalema; kwa ti inkosi, nabakulu bayo, nabafazi bayo, nabo a bawo umudhlunkulu wayo, ba puza ngazo.

4 Ba puza iwaini ba babaza izitixo zegolide, nezesiliva, nezetusi, nezensimbi, nezomuti, nezelitye.

5 Nga lesosikati kwa vela iminwe yesandhla somuntu, ya loba nga solutini lwesibane ekunamekweni kodonga lwendhlu yenkosi; ya ti inkosi ya bona impama yesandhla e sa lobayo.

6 Lapo inkosi ukwenama kwayo kwa fipala, za ti izicabango zayo za yetusa, za ze za xega izinyonga zokalo lwayo; a tyayana amadolo ayo.

7 Lapo inkosi ya memeza ngamandhla, ukungenisa abaMagi, nabaKaldi, nezanusi; Inkosi ya kuluma ya ti kwabahlakanipileyo ba seBabulona; Lomuntu o ya ku funda lombalo, a ngi bonise ukucasisela kwawo u zo vata okubomvu, nesiyinga segolide entanyeni yake, a buse okwesitatu embusweni.

8 Ba se be ngena abahlakanipileyo bonke benkosi, kepa ba be be nge namandhla ukufunda umbalo, noku yazisa inkosi ukucasisela.

9 Lapo inkosi uBelshazari ya i katazeka kakulu, ukwenama kwayo kwa fipala pakati kuyo; ba dumala nabakulu bayo.

10 Ngamazwi enkosi nabakulu bayo, inkosikazi ya ngena endhlini yokupuza; inkosikazi ya kuluma ya ti, Nkosi mana njalo! izicabango zako ma zi nga ku katazi, ku nga fipali nokwenama kwako.

11 U kona umuntu embusweni wako o moya woTixo abayingewele u kuye, kwa ti ngemihla ka yihlo, ukukanya, nokuqonda, nokuhlakanipa kwa funyanwa kuye, inkosi uNebukadnezari uyihlo, ngi tyo inkosi uyihlo ya m misa a be isikulu samaqile, nabaMagi, nabaKaldi, nezanusi.

12 Ngokuba umoya odhlulayo, nokwazi, nokuqonda; umeciseli wama-pupo, otyelisisa ukucandela, umtukululi wemihuzo enqala, kwa funyanwa kuye uDanyeli, inkosi ya m biza uBelshazari; kaloku ma ka bizwe uDanyeli, wo ti a bonise ukucasisela.

13 Lapo uDanyeli wa ngeniswa pambi kwenkosi; Inkosi ya kuluma, ya ti kuDanyeli, Wena u ngu lowo Danyeli owamadodana a tunjwa eJudia, inkosi ubaya ya m leta e vele eJudia na?

14 Ngizwile ngawe ukuba umoya woTixo aba ingewele u pakati kwako,

futi ukukanya, nokuqonda, nokuhlakanipa okwadhlulayo ku funyenwe kuwe.

15 Na manje abahlakanipileyo, naba-Magi ba ngeniswe pambi kwami, ukuze ba funde lombalo, bangazise ukucasisela kwawo, kepa ba ba be nge namandhla ukubonisa ukucasiselwa kwento.

16 Ku te ngi zwile ngawe, ukuba u namandhla ukutyela ukucasisela, noku tukulula imibuzo enqala; kaloku uma u nga funda lombalo, u ngazise ukucasisela kwawo, u zo vata okubomvu, nesiyinga segolide entanyeni yako, u buse okwesitatu embusweni.

17 Lapo uDanyeli wa pendula wa ti pambi kwenkosi, Izipo zako ma zi be ku wena, nemivuzo yako yi nike komunye; ngo wu funda pela umbalo kuyo inkosi, ngi yazise ukucasisela.

18 Wena nkosi, uTixo opakamileyo wa m nika uNebukadnezari uyihlo umbuso, nobukulu, nodumo, nobukosi:

19 Kwa ti ngobukulu o wa m nika bona, bonke abantu, nezizwe, nezilimi ba be tutumela, ba saba pambi kwake; yena o wa m tanda, wa m bulala, futi o wa m tanda, wa m sindisa; o wa m tanda, wa m pakamisa, o wa m tanda, wa m dumaza.

20 Kepa se i pakeme inhliziyi yake, nomoya wake u ze u be lukuni ngokuzidhla, wehliswa enhlalweni yombuso wake, ba susa nodumo lwake kuye.

21 Kwa ti wa xotywa kubantwana babantu; ya ti inhliziyi yake yenziwa njengayo e yezilwane, nokuhlala kwake pakati kwezimbongolo, nomzimba wake wa netwa umbete wezulu, ukuze azi ukuba uTixo Opakamileyo u busa embusweni wabantu, a mise pezu kwa-wo yena a m tandayo.

22 Kepa wena ndodana yake, Belshazari, a u tobisanga inhliziyi yako, nokuba wa kwazi loku konke.

23 Kauti u zikukomezile nga ku-mNinizulu, futi ba lete izitya zendhlu yake pambi kwako, nawe nabakulu bako, nabafazi bako, nabo abawo umudhlunkulu wako ba puzile iwaini ngazo; u babazile wena izitixo zesiliva, negolide, netusi, nensimbi, nomuti, nelitye, e zi nga boni, zi ngezwa, zi ngazi, kodwa uTixo ompfumlo wako u sesandhleni sake, nezindhla zako zouke zi kuye, a u m dumisanga;

24 Lapo impama yesandhla ya tunya nguye; wa se u lotywa lombalo.

25 Kuti lo u ngumbalo o wa lotywayo; MINE, MINE, TIKEL, UPHARSIN.

26 Loku ku ngucasisela kwento, MINE, uTixo u balile umbuso wako u wu qedile.

27 TIKEL, U linganisile wena esilinganisweni, u funyenwe u lula.

28 PIRES, Umbuso wako u hlukene, u nikiwe kwabaMadai, nabaParasi.

29 Lapo uBelshazari wa yaleza, ba se be m ambesa uDanyeli okubomvu, nesiyinga segolide entanyeni yake; ba memeza ukuba, wo busa okwesitatu embusweni.

30 Nga lobobusuku uBelshazari inkosi yabaKaldi wa bulawa.

31 Wa ti uDarisu umMadai wamkela umbuso, e be neminyaka e ngamashumi atatisitupa nambili.

### ISAHLUKO 6.

**K**WA ba kuhle kuDarisu ukumisa pezu kombuso ababusi aba ikulu namashumi amabili a be pezu kombuso wonke.

2 Na pezu kwabo izikonzi ezitatu e sokuqala sazo uDanyeli; ukuze ababusi laba ba landise kuzo, i nga bi nasonakalo inkosi.

3 Lapo uDanyeli wa dhlula izikonzi nababusi, ngokuba umoya omuhle u be kuye; ya ti inkosi i za ku m misa pezu kombuso wonke.

4 Lapo izikonzi, nababusi ba be be hlola, ukuze ba funyanise insolo nga kuDanyeli ngawo umbuso; kepa ba be be nga namandhla ukufumana insolo, noku icala kuye; ngokuba u be kolisa, ku nga tolwanga isipambeko, necala kuye.

5 Lapo lamadoda a ti; A si zo fumana insolo nga kuye loDanyeli uma si nga li fumani na kuye ngomteto ka Tixo wake.

6 Lapo lezizikonzi, nababusi ba butana ngeuxokozelo enkosini, za kuluma kuyo ngokuti, Nkosi Darisu, mana njalo.

7 Izikonzi zonke zombuso, nezinduna, nababusi, nempakati, nababusana ba kulumisene ukumisa ummiso wenkosi, noku qinisa isinqabelo, ukuti, Yena o cela isicelo kuTixo na kumuntu ukupela kuwe nkosi, ezinsukwini ezingamashumi amatatu; u zo ponswa empandwini wezingonyama.

8 Kaloku nkosi ma u mise isinqabelo, u lobe umbalo, ukuba u nga pendulwa

njengomteto wabaMadai nabaParasi, o nga dhluliylo.

9 Ngaloko inkosi uDarisu ya loba umbalo, nesinqabelo.

10 Wa ti uDanyeli se e kwazile ukuba umbalo u be u lotyiwe, wa ngena endhlini yake, i ti i vuleka intuba yake egumbeni lake e li qonda nga seJerusalem, wa guqa ngamadolo ake izikati ezitatu ngosuku, e tandaza, e bongama pambi kuka Tixo wake njengo wa kwenza kuqala.

11 Lapo lamadoda a butana ngenxokozelo, a fumana uDanyeli e cela, e ncenga pambi kuka Tixo wake.

12 A ti a sondela, a kuluma pambi kwenkosi ngesinqabelo senkosi; A u lobanga isinqabelo, ukuba bonke abantu a ba cela kuTixo, na kumuntu pakati kwezinsuku ezi ngamashumi amatatu ukupela kuwe nkosi, ba zo ponswa empandwini wezingonyama na? Inkosi ya pendula ya ti, I qinisile lendaba, njengomteto wabaMadai nabaParasi o nga dhluliylo.

13 A se ya pendula, a ti pambi kwenkosi; ukuti; uDanyeli o wabantwana bokutunjwa kubaJuda a ka naki wena nkosi, nesinqabelo o si lobileyo, kepa u ya cela isicelo sake izikati ezitatu ngosuku.

14 Lapo inkosi se i zwile lelwizi, ya i katazeka kakulu ngokwayo, ya beka ihliziylo yayo kuDanyeli uku m kulula, ya i zama ku ze ku be sekutyoneni kwelanga uku m kulula.

15 Lapo lamadoda a butana ngenxokozelo kuyo inkosi, a ti kuyo iukosi; Yazizi nkosi, ukuba ku ngumteto wabaMadai nabaParasi, ukuti isiyalezelo, nomniso o misiwe inkosi a u nge pendulwe.

16 Inkosi ya se i yaleza, ba ti ba m leta uDanyeli, ba m ponsa empandwini wezingonyama, kepa inkosi ya kuluma ya ti kuDanyeli, uTixo wako o m konza njalo, wo ku kulula.

17 La se li letwa itye, li bekwe pezu komlomo wompandu, ya ti iukosi ya li geina ngopau lwendandato yayo, na ngopau lwendandato yabakulu bayo, ukuze into ngoDanyeli i nga penduki.

18 Lapo inkosi ya buyela esigodhlweni sayo, ya hlala ubusuku, i zila ukudhla, futi a si ngeniswanga isifazana pambi kwayo, ba yi putela ubutongo bayo.

19 Lapo inkosi ya vuka ngovivi loku-

sa ya ya ngokutyetya empandwini wezingonyama.

20 Ya ti ekusondeleni kwayo empandwini, ya memeza kuDanyeli ngezwi lokudabuka; inkosi ya se i kuluma ya ti kuDanyeli, Danyeli neeku ka Tixo okoyo; uTixo wako o m konza njalo u be namandhla uku ku kulula kuzo izizingonyama na?

21 Lapo uDanyeli wa kuluma kuyo inkosi; Nkosi, mana njalo!

22 uTixo wami u tumile ingelosi yake, u vimbile imilomo yezingonyama, a zi ngi limazanga; ngokuba pambi kwake ukulunga kwa funyanwa kimi, na pambi kwako nkosi a ngenzanga isono.

23 Lapo inkosi ya jabula kakulu ngaye, ya yaleza uku kupula uDanyeli empandwini, a ku tolwanga ingozi kuye, ngokuba wa e kolwa kuTixo wake.

24 Inkosi ya se i yaleza, ba ti ba leta lamadoda a m ceba uDanyeli; ba ponsa empandwini wezingonyama wona, nabantwana bawo, nabafazi bawo; za ti izingonyama zeqa pezu kwabo be nga ka fiki pansu empandwini, za coboza onke amatambo abo.

25 Lapo uDarisu inkosi wa loba kuzo izizwe zonke, nabantu, nezilimi e zi hlezi emhlabeni wonke, Ihhlalo enhle yenu ma i vame.

26 Ngi ya beka isiyalezelo, ukuba ekubuseni konke kombuso wami, bonke abantu a ba tutumele besabe pambi kuka Tixo ka Danyeli; ngokuba yena u nguTixo okoyo; o mi ku ze ku be pakade; nombuso wake a u zo citwa, nokubusa kwake ko ma ku ze ku be pakade.

27 U ya kulula e sindisa, Yena u ya sebenza iziboniso, nemimangaliso ezulwini, na semhlabeni, o kulule uDanyeli emazityeni ezingonyama.

28 Wa ti uDanyeli wa hlala kahle ekubuseni kuka Darisu, na sekubuseni kuka Kuresi unParasi.

#### ISAHLUKO 7.

**N**GONYAKA wokuqala ka Belshazari inkosi ya seBabulona, uDanyeli wa bona ipupo, nezibonakalo zekanda lake okukweni lwake; lapa wa loba ipupo, wa tyela isihloko sezindaba.

2 uDanyeli wa kuluma, wa ti, Nga be ngi bona esibonakalweni sami ebusuku, bhekake imimoya emine yezulu ya i vunguzela pezu kolwandhle olukulu.

3 Za ti izilo ezine ezikulu za pupu-



ma elwandhle, za zi hlukana esinye kwesinye.

4 Esokuqala njengengonyama si be namapiko enqe, nga be ngi bheka a ze a hlutwa amapiko aso; sa ti sa pakanyiswa pezu komhlaba, sa miswa ngezinyawo njengomuntu, sa piwa inhliziyo yomuntu.

5 Bhekake isilo esinye sesibili, si fana nebere, sa miswa ohlangotini olunye; sa ba nezimbambo ezintatu emlonyeni waso pakati kwamazinyo aso; ba tyo njalo bona kuso; Suka u dhle inyama eningi.

6 Emva kwa loku nga be ngi bona, bhekake esinye si njengengwe, si be namapiko amane enyoni emhlana waso, namakanda amane a be sesilweni, nokubusa kwa piwa kuso.

7 Emva kwa loku nga be ngi bona ezibonakalweni zobusuku; bhekake isilo sesine esi sabekayo esi namandhla esadhlula kakulu; sa si namazinyo amakulu ensimbi, sa dlhla sa fohloza, sa nyatela okuseleyo ngezinyawo zaso; sona sa hlukana nezilo zonke e zi be pambi kwaso, sa si nezimpondo ezi ishumi.

8 Nga be ngi bhekisisa izimpondo, bhekake, kwa puma pakati kwazo upondo olunye oluncinane; za ti ezintatu izimpondo zokuqala za donyulwa pambi kwaso; bhekake, opondweni lolu a be kona amehlo njengamehlo omuntu, nomlomo o kuluma okukulu.

9 Nga be ngi bona kwa za kwa bekwa izihlalo zobukosi, wa ti, Omdala wezinsuku wa hlala, okwambata kwake kwa ku mhlope njengongqoqwane, nezinyewe zekanda lake njengoboya bemvu obuhlanzekileyo; isihlalo sobukosi bake sa si ngamalangabi omlilo, namasondo ake a be umlilo ovutayo.

10 Umfula womlilo wa hamba u puma pambi kwake, inkulungwane yezi-inkulungwane ya m konza, nezinkulungwane ezi ishumi zezinkulungwane ezi ishumi ze ma pambi kwake; ukwahlula kwa hlala, izincwadi za penywa.

11 Lapo nga be ngi bona ngayo inhlokomo yamazwi amakulu a shunyayelwa upondo: nga be ngi bona sa za sa bula-wa isilo; nonzimba waso wa bujiswa, wa nikelwa emlilweni ovutayo.

12 Kepa ezinye izilo zamukwa ukubusa kwazo, noko ukujobelela kokuhlala kwa piwa kuzo ngomzuzu, nesikati.

13 Nga be ngi bona ezibonakalweni

zobusuku, bhekake wa e fika o njenge-Ndodana yomuntu o namaфу ezulu, weza kOmdala wezinsuku, ba se be msondeza pambi kwake.

14 Kwa ti kwa piwa kuye ukubusa, nodumo, nombuso, ukuze abantu bonke, nezizwe, nezilimi zi m konze, ukubusa kwake ku ngukubusa ku ze ku be pakade, nombuso wake iwo o nga yi ku citwa.

15 Mina Danyeli umoya wami wa katazeka pakati kwesikwama sawo, nezibonakalo zekanda lami za ngetusa.

16 Nga sondela komunye wabo a bemiyo, nga buza kuye iqiniso la loku konke; wa se e pendula kimi wa ngazisa ukueasisela kwezindaba.

17 Lezizilo ezikulu, ezine, zi ngamakosi amane, a ya kuvuka emhlabeni,

18 Kepa abangewele bOpakamileyo ba zo wamkela umbuso, ba be nawo umbuso ku ze ku be pakade, ku ti ku ze ku be pakade, ku be ngunapakade.

19 Lapo nga funa iqiniso ngesilo se sine, e sahlukene nazo zonke lezi, esi sabekayo kakulu, amazinyo aso a be insimbi, nezinzipo zaso itusi, e sa dlhla, sa fohloza, sa nyatela insalo ngezinyawo zaso.

20 Na ngezimpondo ezi ishumi ezi be zi sekanda kuso, nangolunye o lwa puma, e za wa pambi kwalo ezintatu; lolupondo olu be namehlo, nomlomo olwa kuluma okukulu, ukubonakala kwalo kwa ku kulu ku zona ezi intanga yalo.

21 Nga be ngi bona, kwa ti lolupondo lwa lwa naba ingewele, lwa ba namandhla pezu kwabo.

22 Wa ze we za Omdala wezinsuku, kwa ti ukwahlula kwa piwa kwaba ingewele bOpakamileyo, sa ti sa fika isikati aba ingewele a ba buya ngaso ba ba nombuso.

23 Njalo wa tyo ukuti, Isilo sesine sa ba umbuso wesine emhlabeni, o ya ku hlukana nemibuso yonke, isona si zo wu dlhla umhlaba wonke, si wu nyatele, si wu fohloze.

24 Ku ti izimpondo ezi ishumi ku lombuso, zi ngamakosi a ishumi a ya kuvuka, nentye yo vuka emva kwawo; e ya ku ti i hlukane nawo okuqala, i nqobe amakosi amatatu.

25 Yona yo kuluma amazwi nga kuye Opakamileyo, i kataze abangewele bOpakamileyo, i tembe ukuguqala izikati,

nezimemezelo; bo ti ba nikelwe esandhlени sayo ku ze ku be isikati, nezikati, nenxenye yesikati.

26 Kepa ukwahlula ko hlala, bo ti ba suse ukubusa kwayo, ukucita noku qeda kona ku ze ku be sekupeleni.

27 Ko ti umbuso, nokubusa, nobukulu bombuso pansi kwezulu lonke ku piwe kubantu aba ingwele bOpakamileyo, ombuso wake u ngumbuso ongunapakade, ku ya ku ti imibuso yonke i m konze, i m lalele.

28 Ku ze ku be iloku ku ngukugcina kwendaba. Mina Danyeli izieabango zani za ngetusa, nobuso bami ba fipala pakati kwami, kodwa nga gcina indaba enhliziyweni yami.

### ISIAHLUKO 8.

**N**GGONYAKA wesitatu wokubusa ku ka Belshazari iukosi, isibonakalo sa bouwa imi, mina Danyeli emva kwaleso e sa bouwa imi kuqala.

2 Nga ti nga bona esibonakalweni, kwa se ku ti ekuboneni kwami, nga ngi seShushani enqabeni ezweni la se-Elami: nga ti nga bona esibonakalweni, ngi semfuleni eUlai.

3 Nga se ngi pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake, inqama i mi ngasemfuleni i nezimpondo ezimbili: za ti izimpondo za pakama; kepa olunye lwa pakama kunolunye, lwa ti olupakamileyo lwa mila muva.

4 Nga bona inqama i tikazisa ngasentyonalanga, nangasenyakato, nangaseningizimu; ukuze izilo zonke zi nge mi pambi kwayo, kwa ku ngeko o nga puuyula esandhlени sayo; kodwa yenza njengentando yayo, ya kula.

5 Nga ti ngi sa qonda, bheka, impongo i vele ngasentyonalanga, ye za pezu kobuso bomhlaba wonke, i nga namati umhlabati; ya ti impongo ya ba nopondo olunakekileyo pakati kwamehlo ayo.

6 Ya se i za kuyo inqama e nezimpondo ezimbili e nga yi bona i mi ngasemfuleni, ya i sukela ngolaka lwamandhla ayo.

7 Lapo nga yi bona i sondela kuyo inqama, ya yi tukutelela, ya tyaya inqama, yapula izimpondo ezimbili zayo; kwa ku ngeko amandhli enqameni uku ma pambi kwayo; kepa ya yi wisa enhlabeni, ya yi nyatela pansi; kwa ku ngeko o sindisa inqama esandhlени sayo.

8 Ngako impongo ya kula kakulu; ku te se i namandhla, upondo olukulu lwayo lwapuka; kepa esikundhlени salo, kwa mila ezine ezinakekileyo ngasemimoyeni emine yezulu.

9 Kwa ti kwa puma kulo olunye lwazo, upondo oluncane, olwa kula kakulu ngaseningizimu, na ngasempumalanga, na ngasezweni elihle.

10 Lwa ti lwa kula ku ze ku be sebandhlени lezulu, lwa wisa emhlabeni ezitile zebandhla ne zezinkanyezi, lwa zi nyatela pansi.

11 Lwa ti lwa zikulisa ku ze ku be sesikulwini sebandhla, kwa ti kwa swa yilo ukunikela kwemihla, ya wisa pansi inhlobo yokuyingewele kwaso.

12 La ti ibandhla la miswa pezu kokunikela kwemihla ngokona, la ti la wisa pansi iqiniso emhlabeni, lenza, la dhlula.

13 Lapo nga mu zwa oyingewele e kuluma; nomunye oyingewele wa ti ku lowotile oyingewele o wa e kuluma; Ko za ku be nini isibonakalo ngokunikela kwemihla, na ngokona kocitayo, uku nika okuyingewele, nebandhla uku nyatelwa pansi na?

14 Wa se e ti kimi, Ko ze ku be imihla e izinkulungwane ezimbili; lapo okuyingewele ko hlanzwa.

15 Kwa ti ngi sa bona mina Danyeli isibonakalo, nga funa ukwazisisa, bhekake kwe ma pambi kwami ku nga ti isimo somuntu.

16 Nga se ngi zwa izwi lomuntu pakati kwezindonga zeUlai; wa memeza, wa ti, Gabireli, yazisa lomuntu isibonakalo.

17 Wa se e za lapa ngi mi kona; kwa ti ukufika kwake ngesaba, nga wa ngobuso bami; wa ti kimi yazisisa ndodana yomuntu, ukuba isibonakalo si sesikatini sokupela.

18 Kwa ti e sa kuluma nami, nga be ngi lele ubutongo obukulu, ngobuso bami emhlabeni: wa ti wa ngi pata, wa ngi misa ngokuma kwami.

19 Wa ti bheka ngi ya kwazisa o ko ba kona ekupeleni kwentukutelo, ngokuba ukugeina ku sesikatini esimisiweyo.

20 Inqama o yi bonileyo e nezimpondo ezimbili, i ngamakosi a seMadai na seParasi.

21 Ku ti impongo e isiyepu i yinkosi ya seJavani; ku ti upondo olukulu olu ngapakati kwamehlo ayo, lona lu yinkosi yokuqala.

22 Ku ti nga lolo olwapulwayo, za se zi ma ezine esikundhleni salo; imibuso emine i ya kuma kuso isizwe, kepa i nge namandhla ayo.

23 Ko ti ekupeleni kokubusa kwayo, se zi pelele izihlubuko zayo, inkosi i ya kuma i lukuni ngobuso, i wazi amacebo.

24 Ko ti amandhla ayo a kule, ku nge ngamandhla ayo kodwa; yo cita ngokumangalisayo, yahlule, yenze; i cite abanamandhla, nabantu aba ingwele.

25 Na ngobuqile bayo i ya kwahlulisa inkohliso ngesandhla sayo; yo ti i zikulise enhliziyweni yayo, i cite abaningi be sekutuleni; futi i ya ku mela iNkosi yamakosi, kepa yo fohlozwa ku nge ngesandhla.

26 Futi isibonakalo sokuhlwa ne sokusa e sa tyiwo si yiqiniso; kepa gcina wena isibonakalo, ngokuba si nezinsuku eziningi.

27 Kwa ti mina Danyeli nga be ngi dangela, ngi gula izinsuku ezitile; nga se ngi vuka, ngenza umsebenzi wenkosi; nga mangala ngesibonakalo, kepa wa e ngeko o sazisisayo.

#### ISAHLUKO 9.

**N**NGONYAKA wokuqala ka Dariusi indodana kaAhashweroshi o wenzalo yamaMadai, owenziwa inkosi pezu kombuso wabaKaldi.

2 Ngonyaka wokuqala wokubusa kwake, mina Danyeli ngazisisa ngezincwadi isibalo seminyaka, e la ba kona izwi lika Jehova ngayo kuJeremia umazisi, ukupelelisa iminyaka e ngamashumi a isikombisa ekucitakaleni kweJerusalem.

3 Nga ti nga beka ubuso bami kuyo iNkosi uTixo ukufunisisa ekutandazeni, nasekunxuseni, kanye nokuzila ukudhla, nendwangu yoboya, nomlota.

4 Nga ti nga tandaza kuJehova uTixo wami, nga bika izono zetu; nga ti, Au, Nkosi, Tixo omkulu osabekayo; o gcina uvumelwano nomusa kubo aba ntandayo, aba londa izimemezelo zake.

5 Sonile, si pambekile, senzile kabi, si hlubukile ngokudeda ezimemezeleni zako, nasemetweni yako.

6 Futi a si lalalanga izineeku zako abazisi, aba shumayeke egameni lako kuwo amakosi etu, namakosana etu, nabo baba betu, na kubantu bonke belizwe.

7 Au Nkosi ku kuwe ukulunga, kitina ku kona amahloni obuso njenganamhla; na kumuntu wa seJuda, na kubo aba hlezi eJerusalem, na kwa-Israeli bonke aba seduze, naba kude, emazweni onke lapo u ba kapezele kona, ngenkohliso yabo a ba yenzile ngokwenkohliso ngakuwe.

8 Nkosi ku kitina amahloni obuso, na kumakosi etu, namakosana etu, na kobaba betu, ngokuba sonile nga kuwe.

9 Kuyo iNkosi uTixo wetu ku kona isisa, noyekelo, ngokuba si hlubukile kuye.

10 Futi a si lalalanga izwi lika Jehova uTixo wetu, ukubamba emtetweni yake, a yi beke pambi kwetu ngesandhla sezineeku zake abazisi.

11 Nabo bonke aba-Israeli beqile umteto wako, ngokudeda ukuze ba nga lalali izwi lako, kanti wena u titile pezu kwetu isituko, nesifungo e si lotyiwe emtetweni ka Mosi inceku ka Tixo, ngokuba sonile nga kuye.

12 U ti u qinisile amazwi ake a wa kuluma ngati, na ngabahluli betu a ba sahlula, ngokuleta okubi okukulu pezu kwetu; ukuti a ku zanga kwenziwe ngapansi kwezulu lonke njengaloku o kwenziwe eJerusalem.

13 Njengokulotyiwe emtetweni ka Mosi, loku okubi konke ku ze pezu kwetu; kade a si kulekanga kuJehova uTixo wetu, ukubuya ezonzweni zetu, nokunakela iqiniso lako.

14 Ngako uJehova u lindile pezu kobubi, u bu buyisele pezu kwetu; ngokuba u lungile uJehova uTixo wetu ngayo yonke imisebenzi yake a yenza; kepa a si lalalanga izwi lake.

15 Na kaloku Nkosi Tixo wetu o pumisile abantu bako ezweni la sEgipite ngesandhla esinamandhla; o zenzele futi igama njenganamhla; sonile, senze kabi.

16 Au Nkosi ngokulunga konke kwako, ma ku dede ulaka lwako nentukutelo yako emzini wako iJerusalem, intaba yako eyingewe, ngokuba ngezono zetu, na ngokupambeka kwa obaba betu, iJerusalem, nabantu bako ba yihlazo kuzo zonke izindawo e zi si zungelezayo.

17 Na kaloku yizwa Tixo wetu umtandazo wenceku yako, nokunxusa kwayo u kanyise ubuso bako pezu kokuyingewe kwako o ku citeke ugenxa yeNkosi.

18 Beka indhlebe yako Tixo wami, u zwe; vula amehlo ako u bone izincitakalo zetu, nomuzi ogama lako li bizwa pezu kwawo, ngokuba a si beki ukucela kwetu pambi kwako ngokulunga kwetu, kodwa ngesisa sako esivamileyo.

19 Nkosi, yizwa; Nkosi, yekela; Nkosi, lalela wenze; u nga libali ngenxa yako Tixo wami, ngokuba igama lako li bizwa pezu komuzi wako, na pezu kwabantu bako.

20 Kwa ti ngi sa kuluma, ngi tandaza, ngi bika isono sami, nesono sabantu ba kiti abaIsraeli, ngi beka ukuncenga kwami pambi kuka Jehova uTixo wami ngentaba eyingewele yika Tixo wami.

21 Kwa ti ngi sa kuluma ekutandazeni; lomuntu uGabireli e nga m bona esibonakalweni kuqala, e kauleziswe ngokundiza, wa ngi namata ngesikati sokunikela kwa kusihlwa.

22 Wa ngazisa, wa kuluma nami, wa ti, Danyeli, ngi pumile kaloku, uku ku fundise ukwazisisa.

23 Ekuqaleni kokunxusa kwako, isiyalelo sa puma, ngi ze uku ku bonisa, ngokuba u ngotandiweyo wena ngako yazisisa indaba, u qonde isibonakalo.

24 Amasonto amashumi a isikombisa a nqonyelwe abantu bako, nomuzi wako oyingewele ukuvimbela ukupambuka, nokukaula izono, nokuhlaulela ububi, nokungenisa ukulunga o ku nge nako ukupela, nokukaula, isibonakalo nokwazisa, nokugcoba okuyingewele kokuyingewele.

25 Ngako yazi, qapele, ukuba ku suke ekupumeni kwesiyalelo sokubuyisela nokwaka iJerusalema, ku ze ku be kuye ogcotyiweyo iNkosi ko ba amasonto amashumi atatisitupa nambili; ko buya kwakiwe indhlela nomsele enhlupekweni yezikati.

26 Ko ti emva kwamasonto amashumi atatisitupa nambili ogcotyiweyo a nqonywe, e nga biko kubo; futi abantu benkosi ezayo ba zo cita umuzi, nendawo eyingewele, kepa ukupela kwayo ko ba njengezameco, ko ti ku be kona ukulwa ku ze ku be sekupeleni, izincitakalo ezizaleziweyo.

27 Ku ya kuti a qinise uvumelwano nabaningi ngesonto li be linye a kaule ngenxenywe yesonto ukunikela okuhlaltiyiweyo nokokundhla; ko ti ku be kona ocitayo pezu kwenyoni e nepiko lezine-

ngoko; kepa ku ze ku be ekubujisweni, ukuti loku okuyaleziweyo ko telwa pezu kwake o za ku citwa.

## ISAHLUKO 10.

**N**NGONYAKA wesitatu ka Kuresi inkosi ya seParasi, indaba ya boniswa kuDanyeli ogama lake la bizwa uBeltesazari; ya i iqiniso indaba, kwa ku kulu ukulwa; wa ti wa yazisisa indaba, wa be nokwazisisa ngesibonakalo.

2 Nga leyo mihla mina Danyeli nga be ngi lila amasonto amatatu ezinsuku;

3 Nga ngi nga dhli isinkwa esihle, newaini a li ngenanga emlonyeni wami, a ngi zanga ngi zi geobe ku ze ku pelele amasonto amatatu ezinsuku.

4 Kwa ti ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yokuqala, nga be ngi secaleni lomfula omkulu o tiwa uHidakeli.

5 Nga ti nga pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake umuntu embete ilineni elihle, e bince okalweni igolide la seUfazi.

6 Unzimba wake njengetopazi, nobuso baka njengokubonakala kombani, namehlo ake njengezibani zomlilo, izingalo zake, nezinyawo zake njengokubonakala kwetuli elikazimulayo, nezwi lamazwi ake njengezwi lebandhla.

7 Nga ti mina Danyeli nga bona izibonakalo ngedwa, kepa abantu a ba be nani a ba bonanga isibonakalo, kodwa ukutubamala okukulu kwa wa pezu kwabo, ba ze ba baleka ukuzisiteza.

8 Nga ti nga sala ngedwa, nga bona isibonakalo esikulu lesi, futi a ka salanga amandhla kimi, kwa guqulelwa nokuqina kwami ekubujisweni, nga ngi nga salelwa amandhla.

9 Nga se ngi zwa izwi lamazwi ake, na lapo nge zwa izwi lamazwi ake, nga be ngi lele ngobuso bami, nobuso bami bu semhlabatini.

10 Bhekake isandhla sa ngi pata, sa ngi tengezelisa emadolweni ami, nasezimpawweni zezandhla zami.

11 Wa se e ti kimi, Danyeli muntu otandiweyo, yazisisa amazwi e ngi wa kuluma kuwe, u me ngokuma kwako; ngokuba ngi tunyiwe kuwe kaloku; kwa ti se e kulume lelizwi, ngema ngi tutumela.

12 Lapo wa ti kimi, U ngesabi Danyeli, ngokuba kwa sosukwini lokuqala owa beka ngalo inhlizyo yako ukuqonda, nokuzitoba pambi kuka Tixo, ama-

zwi ako a zwiwe, ngi ze mina ngamazwi ako.

13 Kepa isikulu sombuso wa seParasi sa ngi tibela izinsuku ezingamashumi amabili nanye; kanti bheka uMikaeli omunye wezikulu ezahlalayo we za ukungisiza; nga za mina nga shiywa kona ngasemakosini a seParasi.

14 Kepa ngi ze ukukwazisisa loku oku ya kuza kubantu bako ezinsukwini ezilandelayo, ngokuba isibonakalo si se nezinsuku.

15 Kwa ti ekukulumeni kwake nami ngokwa lamazwi nga beka ubuso bami emhlabatini, nga tula.

16 Bhekake o njengokubonakala kwamadodana omuntu e pata izindebezami; lapo nga kamisa umlomo wami, nga kuluma; nga ti kuye owa e mi ngapambili kwami, Nkosi yami, ngesibonakalo ubuhlungu bami bu pendukele pezu kwami, futi a ngi se namandhla.

17 Ngokuba inceku ya lenkosi yami i nga kuluma kanjani nayo lenkosi yami? ku ti, mina ku suke manje a ku sele amandhla kimi, a ku se ko umpufumlo kimi.

18 Wa se e pinda wa ngi pata o nesimo somuntu, wa ngi qinisa.

19 Wa ti, U ngesabi muntu otandiweyo, ukuhlala kahle ma ku be kuwe, qina, qinake; kwa ti ekukulumeni kwake nga qina, nga ti, Ma i kulume inkosi yami, ngokuba u ngi qinisile.

20 Wa se e ti, U yazi yini ukuba ngi ze kuwe ngani? na kaloku ngo buyela ukulwa nesikulu sa seParasi; ko ti uma se ngi pumile, bhekake isikulu sa seJavani si fike.

21 Kepa ngo ku tyela loku okulotywe embalweni weqiniso; futi amuko noyedwa o bambisana nami nga ku zona, kupela uMikaeli isikulu senu.

### ISAHLUKO 11.

**N**NGONYAKA wokuqala ka Darisu umMadai, ngema mina ukumsiza nokumqinisa.

2 Na kaloku ngo ku bonisa iqiniso, bheka ku se zo ku ma amakosi amatatu eParasi; ko ti eyesine yo fuya imfuyo enkulu ku nabo bonke, ku ya kuti emandhleni ayo i vuse bonke ngemfuyo yayo nga kuwo umbuso wa seJavani.

3 Ko ti inkosi e namandhla i me, i bu-se ngokubusa okukulu, yenze njengentando yayo.

4 Ku ya kuti ekumeni kwayo, umbu-

so wayo u foblozwe, wahlulwe ngasemimoyeni emine yezulu; ku nga bi kubo abenzalo yayo, na njengokubusa kwayo e ku busayo; ngokuba umbuso wayo u ya kudonyulwa, u be kubo abanye ngapandhle kwalaba.

5 I ya kuti inkosi ya seningizimu i be namandhla, naye omunye wezikulu zayo; yena wo ba namandhla pezu kwayo, a buse; umbuso omkulu umbuso wake.

6 Ko ti ekupeleni kweminyaka ba hlangane; nendokazi yenkosi ya seningizimu yo za kuyo inkosi ya senyakato ukwenza ukuvumelana; kepa a i yi ku geina amandhla engalo; futi yona inkosi a i yi ku ma nengalo yayo: kodwa yo buyiselwa naba yi zisayo, no yi zeleyo, no yi sizayo ngezikati lezo.

7 Kepa egatyeni lezimpende zayo omunye u zo vuka esikundhleni sayo, e ze nebandhla, a ngene ezingqabeni zenkosi ya senyakato, enze ngakuzo a zi bambe.

8 Futi a yise Egipte ekutunjweni izitixo zabo, nezitombe zabo, nezitya zabo ezitandiweyo zegolide nezesiliva; yena u ya kuma iminyaka e hlukene nenkosi ya senyakato.

9 Ko ti yona i ze embusweni wenkosi ya seningizimu, kepa yo buyela ezweni layo.

10 Ku ya kuti amadodana ayo a vuselwe, a hlanganise iningi lamabandhla amakulu; ko ti pela omunye a fike, a minze, a dabule; a buye futi a lwe ku ze ku be senqabeni yayo.

11 Lapo inkosi ya seningizimu yo tukutela, i pume, i lwe nayo, ukuti nenkosi ya senyakato; yo misa ibandhla elikulu, lelibandhla li nikelwe esandhleni sayo.

12 Ko ti lelibandhla li zipakamise, i pakame enhliziyweni yayo; yona yo wisa izinkulungwane ezingamashumi amabili; kodwa a i zo ba namandhla.

13 Lapo inkosi ya senyakato yo buya, i mise ibandhla elikulu ku nelokuqala, i ze pela ekupeleni kwezikati e zi iminyaka, i nempi enkulu, nemfuyo eningi.

14 Ko ti ezikatini lezi abaningi ba tiyeze inkosi ya seningizimu, futi abantwana babapangi babantu bako ba ya kuzipakamisa ukumisa isibonakaliso, kodwa ba ya kuwa.

15 Kona inkosi ya senyakato yo fika, i qonge udonga, i bambe umuzi o inqa-

ba; lapo izimpi za seningizimu a zi yi ku ma, e zi ti abantu abaketiweyo bayo, a ku yi ku ba kona amandhla okuma.

16 Keba yena o zayo u ya kwenza kuyo njengentando yake, ku ngeko o ya kuma pambi kwake; u ya kuti e me ezweni elihle, li be sesandhleni sake impela.

17 Wo ti a beke ubuso bake ukungena emandhleni onke ombuso wake, a kwenze kona okulungelelana naye; ko ti yena a yi nika indodakazi yesifazana uku wu cita; kepa a wu yi ku ma, a wu yi ku ba kuye.

18 Lapo wo buyisela eziqingini ubuso bake, a bame eziningi, ko ti inkosana i pelise ukuyidela kwake; i buyisele kuye ukudela kwake futi.

19 Lapo wo pendulela ezinqabeni zezwe lakubo ubuso bake, kepa u zo peliswa amandhla, a we, e nga funyanwa.

20 Kona u ya kuma esikundhleni sake yena o dhlulisa umtelisi wemali ebuhleni bombuso; kepa u ya kubujiswa ezisukwini ezilandelayo, ku nge ngolaka, ku nge na ngokulwa.

21 Lapo u ya kuma esikundhleni sake odelekileyo, a ba nga m niki ubukosi bombuso kodwa, kepa u zo ngena ngokutula, a bame umbuso ngokufeteza.

22 Ko ti izimpi eziminzayo zi minzwe pambi kwake, zi fohlozwe, nesikulu esi be novumelwano futi.

23 Ku ya kuti emva kokuvumelana naso, a sebenze ngenkohliso, a kupuke, a be namandhla ngesigaba esincane.

24 Wo ngena ngokutula ezindaweni ezinotileyo zezwe, enze loku oyise a ba nga kwenzanga, noyise ba oyise; wo hlakaza pakati kwabo okubanjweyo, nempango, nengeebo; u cebe amacebo ake nga kuzo izinqaba ku ze ku be isikati.

25 Lapo wo vusela inkosi ya seningizimu amandhla ake, nenhliziyo yake, e nempi enkulu, nenkosi ya seningizimu yo vuselwa ukulwa, i nempi enkulu e namandhla ahlulayo, kepa a i yi ku ma, ngokuba ba ya kucebela yona amacebo.

26 Na lobo aba dhlula ukudhla okunna ndi kwayo ba ya ku yi eboza; ko ti, impi yayo i dhlulele, ba we pansi abanngi be hlathiwe.

27 Keba nga lamakosi amabili, inhli ziyo yawo i kuko ukonakala, futi ba ya ku kuluma amanga be setebuleni liuye; kepa a ku yi ku qubeka loku, ngoku-

ba ukugeina ku sesikatini esimisiweyo noko.

28 Ku ya kuti a buyele ezweni lake, e nengeebo enkulu, nenhliziyo i pambene novumelwano olu ingewe; yena u ya kwenza, a buyele ezweni lake.

29 Ngesikati esimisiweyo u ya kubuya, e ze ezansi, kodwa a ku yi ku ba njengokwakuqala okwa semva.

30 Ngokuba imikumbu ya seKitimi i ya kuza nga kuye; ngako wo jamba, a buye, a tukutele nga kulo uvumelwano olu ingewe, enze; lapo wo buya a qondane nabo a ba shiya uvumelwano olu ingewe.

31 Ku ya ku ti izimpi zi me zi vele kuye, zonakalise indhlu engewe, e yinqaba, zi suse ukunikela kwemihla, zi mise ukunengeka okueitayo.

32 Ko ti abapuli boyumelwano, u ya ku bedusa ngokufeteza; kodwa abantu a ba m aziyo uTixo ba ya kuqina benze.

33 Kona abezwisayo babantu ba ya kufundisa abanngi; kepa ba ya kuwa ngenkamba, na ngelangabi; ngokutunjwa, na ngokupangwa ngemihla.

34 Ko ti ekuweni kwabo ba sizwe ngokusiza oku ingeozana, futi abanngi ba zo zihlanganisa ku bona ngokufeteza.

35 Ku ya kuti abanye ba bezwisayo ba we uku ba linga, noku ba hlanzisa, noku benza mhlope, ku ze ku be isikati sokupela, ngokuba ku ze za ku ba ngesikati esimisiweyo.

36 Ko ti inkosi yenze njengetando yayo, i zikukumeze, izikulise pezu kwazitixo zonke, na nga kuye uTixo wezitixo i kulume okumangalisayo; yahlule ku ze ku pelele intukutelo, ngokuba okumisiweyo ku ya kwenziwa.

37 A i yi ku naka izitixo zika yise nokutandwa isifazana; a i yi ku naka isitixo nesodwa, ngokuba yo zikulisa pezu kwazo zonke.

38 Keba isitixo sezinqaba endaweni yaso yo si dumisa, si ti, isitixo oyise bayo a ba nga sazanga yo si dumisa ngegolide, na ngesiliva, na ngamatye amahle, na ngokutandaweyo.

39 Yo ti yenze ezinqabeni ezi namandhla ezi nesitixo esi ngaziwayo, i ba dumise kakulu bona aba yi hlonipayo; yenze ukuba ba buse pezu kwabanngi, i yahlulele intengo isikati.

40 Ko ti ngesikati sokupela inkosi ya seningizimu i m sunduzele, kona inkosi ya senyakato i ya kuza nga kuye

ngokwesivunguvungu ngezincwele, na ngabakweli emahashini, na ngemikumbu eminingi, i ngene emazweni, i minze, i dhlule.

41 Yona i zo ngena ezweni elihle, amazwe amaningi a ya kuwa, kepa wona a zo sinda esandhleni sayo, a tiwa iEdomi, neMoabi, nezikulu zamadodana ka Amoni.

42 Yo selula isandhla sayo pezu kwamazwe, nezwe la sEgipite a li yi ku kululwa.

43 Futi yo busa pezu kwengecebo yegolide, nesiliva na pezu kokutandweyo konke kwa sEgipite; nabaLubi nabaKushi bo ba sezinyatweni zayo.

44 Kepa ba ya ku yetusa ngembiko i vele empumalanga, na senyakato, yo ti i pume ngentukutelo enkulu, ukucita noku qeda impela abaningsi.

45 Yo ti i mise amatente a yisigodhlo sayo emkatini wezilwandhle entabeni ehle eyingewe, kepa i zo fika ekupeleleni kwayo, ku ngeko o yi sizayo.

#### ISIAHLUKO 12.

**N**GALESOSIKATI u ya kuma uMikaeli isikulu esikulu esi mele abantwana babantu bako; ko ti si be kona isikati sokuhlupeka, esinje e si nga zanga si be kona, i loku kwa ba kona isizwe ku ze ku be lesosikati; ko ti ngalesosikati abantu bako ba kululwe bonke a ba funyanwa be lotyiwe enwadini.

2 Ku ya kuti abaningsi babo aba lele otulini lomhlaba ba vuke, abanye ebomini obungapeliyo, nabanye ekusolweni, na sekudelweni okungunapakade.

3 Kepa abaqoto ba ya kukanya nje ngokukazimula komkati, nabo aba hola abaningsi ekulungeni njengezinkanyezi ku ze ku be pakade napakade.

4 Kepa wena Danyeli geina lamazwi, u namatelize incwadi ku ze ku be isikati sokupela; abaningsi ba ya kuhlohlisisa, ko ti kwande ukwazi.

5 Nga se ngi bheka mina Danyeli, bhekake, abanye ababili be ma, omunye nga lapa kodonga lomfula, nomunye nga lapaya kodonga lomfula.

6 Lapo omunye wa ti kumuntu o webete ilineni elihle o be pezu kwamanzi omfula; Ko za ku be nini ukupela kwa lemmangaliso na?

7 Nga se ngi zwa umuntu owembete ilineni elihle, o be pezu kwamanzi omfula, lapo wa pakamisa isandhla sokunene sake, nesokohlo sake ezulwini, wa funga ngaye o hlezi ku ze ku be pakade; ukuba ko ba o kwesikati, nezikati, nenxenye; ko ti ekuqedeni kokuhlakazwa kwamandhla abantu abayingewe, loku konke ko qedwa.

8 Nge zwa mina, kodwa a ngi zwi-sanga; nga se ngi ti, Nkosi yami, ku yini ukupela kwa loku na?

9 Wa ti yena, Hamba Danyeli, ngokuba lamazwi a gciniwe, a namatelize, ku ze ku be isikati sokupela.

10 Abaningsi ba ya kuhlanzwa, benziwe mhlope, ba lingwe; kodwa ababi ba ya kwenza kabi, a ba yi kwazisisa noyedwa wababi, kodwa abaqoto ba ya kwazisisa.

11 Ko ti kwa sesikatini sokususwa kokunikelwa kwemihla, na sekumiseni ukunengeka okucitayo, zo ba kona izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi ashiyagalolunye.

12 U busisiwe yena o bekela, e finyelele ezinsukwini ezi inkulungwane namakulu amatatu namashumi amatatu nesihlanu.

13 Kepa hamba wena ku ze ku sekupeleni, wo pumula wena, u me enkawtweni yako ekupeleleni kwemihla.

## INCWADI KA HOSEA.

#### ISIAHLUKO 1.

**I**ZWI lika Jehova e la li kuHosea indodana ka Beri, ngezinsuku zika Uzia noJotamu, noAhazi, noHezekia, amakosi a seJuda, na sezinsukwini zika Jeroboamu indodana ka Joashi inkosi ya se-Israeli.

2 Ukuqala kwezwi lika Jehova ngoHosea. Kwa ti uJehova wa tyo kuHosea ukuti, Hamba u tabate kuwe umfazi opingayo nabantwana bokupingwa: ngokuba izwe li pingile nokupingwa, li nga m landeli uJehova.

3 Lapo wa ya wa m tabata uGomeri,

indodakazi ka Diblaini; o wa mita, wa m zalela indodana.

4 uJehova wa se e ti kuye, Biza igama layo uJezreli; ngokuba ku se kona umzuzwana, ngo pindisela igazi la seJezreli pezu kwendhlu ka Jehu, ngi qede umbuso wendhlu wa seIsraeli.

5 Ko ti ngalomhla ngi wapule umcibityelo wa seIsraeli esigodini sa seJezreli.

6 Wa ti wa mita futi, wa zala indodakazi. Lapo wa ti kuye, Biza igama layo uLo-ruhama; ngokuba a ngi sa yi ku pinda ngi haukele indhlu ya seIsraeli; ngokuba ngo ba susa impela.

7 Kepa ngo haukela indhlu ya seJuda, ngi ba sindisa ngoJehova uTixo wabo; a ngi yi ku ba sindisa ngomcibityelo, na ngokulwa, na ngamahashi, na ngabakweli bamahashi.

8 Lapo se m lumulile uLo-ruhama, wa mita, wa zala indodana.

9 Yena wa ti, Biza igama layo uLoami; ngokuba a ni sibo abantu bami, mina a ngi yi ku ba uTixo kinina.

10 Kepa ukubalwa kwabantwana ba seIsraeli, ko ba njengezihlabati zolwandle ezi nge linganiswe ne zi nge balwe; Ko ti endaweni lapo kwa tiwa kubona, A ni sibo abantu bami, kona ko tiwa kubona, Ni ngamadodana ka Tixo ohlezizyo.

11 Lapo abantwana ba seJuda, nabantwana ba seIsraeli bo butwa, ba beke ku wona ikanda linye, ba kupuke ba shiye izwe; ngokuba umkulu umhla wa seJezreli.

## ISAHLUKO 2.

**YITYONI** kubane wenu, Ami; na kodade wenu Ruhama.

2 Pikani nonyoko, pikani; ngokuba a ka siye umkami, nami a ngi siyo indoda yake; ma ka suse ukupinga kwake ebusweni bake, nokuhexeza kwake ngapakati kwamabele ake;

3 Funa, ngi m hlubule a hambaze, ngi m mise njenga sosukwini a zalwa ngalo; ngi menze a be njengehlane, ngi m beke njengezwe elomileyo, ngi m bulale ngokoma.

4 Futi a ngi yi ku haukela abantwana bake; ngokuba ba ngabantwana bokupingwa bona.

5 Ngokuba unina wabo wa e pinga; yena o, ba mitayo u hlazisile; ngokuba yena wa tyo ngokuti; Ngo landela abatandi bami, a ba ngi nika isinkwa

sami, namanzi ami, noboya bami bezimvu, neflaksi lami, namafuta ami, nokupuza kwami.

6 Ngako bheka mina ngo vimbela indhlela yako ngameva, ngake udonga ukuze a nga fumani imendo yake.

7 Ko ti a landela abatandi bake, kepa a ka yi kuhlangu nabo, wo ba funa kepa a ka yi kuba fumana; Lapo u ya kuti, Ngo hamba ngi buyele kuyo indoda yami yokuqala; ngokuba kwa ku kuhle kimi lapo ku na kaloku.

8 Ngokuba wa e ngazi ukuba nga m nika ukolweni, newaini elitya, namafuta, nga vamisa kuye nesiliva negolide, a benza uBali ngalo.

9 Ngako ngo buya ngi suse ukolweni wami ngesikati sake, newaini elitya lami ngomzuzu walo, ngi m amuke ubo-ya bami, neflaksi lami lokusibekela ubuze bake.

10 Kaloku ngo lambula ihlazo lake emehlweni abatandi bake, umuntu a ka yi ku m sindisa esandhleni sami.

11 Ng'i ya kupezisa konke ukwenama kwake, namadili ake, nezinyanga zake ezitwasileyo, namasabata ake, nemibuto yonke yake.

12 Ngo cita nezinwazi zake nemikiwane yake a tyilo ngayo yena, ukuti, I izipiwo zami aba ngi nikile zona abatandi bami; kepa ngi ya kuyenza i be ihlati, izilo za sendhle zi yi dhle.

13 Ngo ti ngi pinde pezu kwake izinsuku zika Balimi, o wa ba tyisela impepo ngazo yena, wa hloba ngamajikazi ake nemigexo yake, wa landela abatandi bake, wa ngi kohlwa, u tyo uJehova.

14 Ngako bheka ngo m vumisa, ngi m yise ehlane, ngi kulume ngokwenhlizyo yake.

15 Ngo m nika amasimu ake esinwazi kwa lapo, nesihlambo sa seAkori si be umnyango wokutemba: na lapo wo hlabelela njenga sezinsukwini zobutya bake, na njenga sosukwini lokukupuka kwake e vele ezweni la sEgipite.

16 Ku ya kuti nga lomhla, u tyo uJehova, u ngi bize, Ndoda yami, u nga ngi bizi, Nkosi yami.

17 Ngo susa namagama ka Balimi emlonyeni wake, a ka sa yi ku kunjulwa ngegama lawo.

18 Na nga lomhla ngo benzela uvumelwano nezilwane za sendhle, nezinyoni zezulu, nezilo ezikasayo zomhlabati; ngowapula umcibityelo nenkamba no-



kulwa ku suke emhlabeni, ngi ba lalise ngokwetemba.

19 Ngo ku misela mina ku ze ku be pakade, ngi ku misela mina ngokulunga na ngokwahlula, na ngomusa na ngombau.

20 Ngi ya kukumisela mina ngokukoliseka; wena u ya kumazi uJehova.

21 Ku ya kuti nga lomhla ngi lalele, ku tyo uJehova, ngo lalela izulu lona lo lalela izwe.

22 Izwe lo lalela ukolweni, newaini elitya, namafuta; wona wo lalela uJezreli.

23 Futi ngo li hlwanyelela mina emhlabeni ngi li haukele, e li be li nga haukelwa; ngi ya kutyo kubo aba be ngesibo abantu, ngokuti; Ni ngabantu bami; ba ya kutyo ngokuti, Tixo wetu.

### ISAHLUKO 3.

**UJEHOVA** wa buya wa ti kimi hamba futi u tandu umfazi o tandwe umhlobo wake, e isipingi noko, ngokotando luka Jehova kubantwana ba se-Israeli, aba naka otixo abanye, ba tando izigaxa zezinwazi.

2 Lapo nga zitengela yena ngezinhlamvu ezi ishumi nesihlanu zesiliva, na ngehoma lebale na ngenxenye yehoma lebale.

3 Nga se ngi ti kuye, Wo hlala kimi izinsuku eziningi, u nga pingi, u nga bi o wendoda enye nami ngo ba kuwe belu.

4 Ngokuba amadodana a se-Israeli a ya kuhlala izinsuku eziningi, ku ngeko inkosi, ku ngeko isikulu, ku ngeko umnikelo wokuhlatywa, ku ngeko nesitombe, ku ngeko iefodi, neterafimi.

5 Emva kwaloku amadodana a se-Israeli a ya kubuya, a fune uJehova uTixo wabo, noDavida inkosi yabo, a m esabe uJehova, nokulunga kwake ngezinsuku ezilandelayo.

### ISAHLUKO 4.

**YIZWANI** izwi lika Jehova bantwana ba se-Israeli; ngokuba ku kona kuJehova ukupikisana nabahleziyo bezwe, ngokuba a kuko iqiniso, a kuko nomusa, a kuko nokwazi ngoTixo ezweni.

2 Ukutuka, nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokupinga, ku ya vuka; zi ti izingazi zi ya namatana nezingazi.

3 Ngako izwe li ya kulila, ba dangale nabo bonke aba hlezi kulo, kanye nezilo zomhlabati, nezinyoni zezulu; futi izi-nhlanzi zolwandhle zo kitywa.

4 Kanti ma ka nga piki muntu, ma ka nga yali namuntu, ngokuba abantu bako ba njengabo aba pikisana nomteteleli.

5 Wena u ya kuwa emini, nomazisi futi u ya kuwa kanye nawe ebusuku, ngo cita nonyoko.

6 Abantu bami ba citiwe ngokuntula ukwazi: ngokuba wena u nqabile ukwazi, ngo nqabela wena ukuze u nga bi umteteleli kimi; njengokuba wena wa kohlwa umteto ka Tixo wako, nami ngo kohlwa abantwana bako.

7 Njengokwanda kwabo njalo ba ngona; ngako ngi ya kupendula ubukosi babo bu be ihlazo.

8 Ba ya si dhla isono sabantu bami, ba beka inhliziyi yabo kuko ukonakala kwabo.

9 Ku ya kuti ku be, njengabantu ku njalo umteteleli; ko ti ngi pinde pezu kwabo izindhlela zabo, ngi buyise pezu kwabo ukwenza kwabo.

10 Ba ya kudhla bona be ngasuti, ba pinge be ngandi; ngokuba ba yekile ukulalela kuJehova.

11 Ukupinga, newaini, newaini elitya ku ya susa inhliziyi.

12 Abantu bami ba ya buza emtini, ukuti intonga yabo i ya ba bonisa; ngokuba umoya wokupinga u bedukisile, bona ba pingile be suka pansi kuka Tixo wabo.

13 Ba ya hlaba iminikelo eziqongweni zezintaba, ba tyise impepo eminanangweni, pansi kwemialoni nemilibena nemiyelo, ngokuba itunzi lawo lihle: ngenxa yaloku amadodakazi enu a ya kupinga, nabalobokazi benu ba ya kuhexeza.

14 A ngi yi ku pinda pezu kwamadodakazi enu nxa e pinga, nabalobokazi benu nxa be hexeza; ngokuba bona ba ya cezukela izipingi, ba hlaba iminikelo kanye nezifebe; bona abantu a ba nga qondiyi ba ya kuwa.

15 Ngokuba wena Israeli u ya pinga, ma ka nga pambeki uJuda: ma ni ngezi kuGilgali, ni nga kupukeli kuBetaveni, ni nga fungi, Kupila kuka Jehova.

16 Ngokuba uIsraeli u ya pamba nje-ngetokazi elipambayo: kaloku uJehova wo ba lusa njengempungo endaweni ebanzi.

17 uEfraimi u hlangene nezitombe; m shiye.

18 Ukupuzwa kwabo ku dhlulile, ba pingile ngokupinga, ababusi bake ba ya tanda ihlazo.

19 Umoya u m bopile emapikweni awo, bona ba ya kujaba ngamalati abo eminikelo yokutyiswa.

ISAHLUKO 5.

**Y**IZWANI loku nina bateteleli, ni lalele ndhlu ya seIsraeli; nani nina bendhlu yenkosi bekani indhlebe; ngokuba ukwahlula ku kinina, ngokuba na be ni isihibe eMisa, ineta-elenekwa pezu kweTabori.

2 Futi ba ya zikisa izipambeko zabo ekuhlaveni, kepa ngi ya kuba ukulungisa kubo bonke.

3 Ngi ya m azi uEfraimi, noIsraeli a ka siteki kimi; ngokuba manje wena Efraimi u ya pinga noIsraeli, u ngcolile.

4 A ba yi ku qondisa ukwenza kwabo ukupendukela uTixo wabo, ngokuba umoya wokupinga u pakati kwabo, a ba m azanga uJehova.

5 Ukuzidhla kuka Israeli ku ya pendula ebusweni bako; ngako uIsraeli noEfraimi ba ya kuwa ekonakaliseni; futi uJuda u ya kuwa kanye nabo.

6 Ba ya kuya nezimvu zabo nemihlambi yabo ukufuna uJehova, kepa a ba yi ku m fumana; u dedile kubo.

7 Ba kohlisile nga kuye uJehova, ngokuba ba zele abantwana abafu; kaloku inyanga etwasayo yo ba dhla namafa abo.

8 Kalisani upondo eGibea, netilongo eRama; ni kale eBet-aveni emva kwako, Benjamini.

9 uEfraimi wo ba incitakalo ngosuku lokutyaywa; pakati kwemindeni ya seIsraeli ngi kwazisile okuqinisileyo.

10 Izikulu za seJuda za be zi njengabasusa incwadi yomkaulo; ngo tela pezu kwabo ulaka lwami njengamanzi.

11 uEfraimi u hlutyiwe, wapukile ekwahluleni, ngokuba wa vuma wa landela ize.

12 Ngako ngi ya kuba kuEfraimi njengeniyundu, na kuyo indhlu ya seJuda njengokubola.

13 Wa ti uEfraimi wa bona, isifo sake, noJuda isilonda sake; lapo uEfraimi wa hambela eAsiria, wa tumela inkosi e isita; kepa yena wa be e nge kwelape, a nge pilise isilonda.

14 Ngokuba ngi ya kuba kuEfraimi njengengonyama, na njengengonyama entya kuyo indhlu ya seJuda; Mina, mina ngo dwengula, ngi muke; ngo susa ku ngeko o punyuzayo.

15 Ngo hamba ngi buyele endaweni yami, ba ze ba zijezise ngecala, ba fune ubuso bami; ekuhlupkeni kwabo ba ya ku ngi funisisela.

ISAHLUKO 6.

**W**OZANI ma si buyele kuJehova; ngokuba yena u dwengulile, kepa wo si polisa; u tyayile, kepa wo si bopa.

2 Wo si pilisa emva kwezinsuku ezimbili; ngosuku lwesitatu wo si vusa, si pile emehlweni ake.

3 Koua si ya kwazi si landele ukumazi uJehova; ukupuma kwake ku qinisile njengokusa; ko ti e ze ki tina njengemvula, njengemvula yokugeina, nezihlambi zokuqala emhlabeni.

4 Ngi ya kwenzani kuwe Efraimi? ngi ya kwenzani kuwe Juda? ngokuba umusa wako u njengefu lokusa, nombe te omukayo masinya.

5 Ngako ngi ba nqumile ngabazisi; ngi ba bubisile ngamazwi omlomo wami; ukuze izahlulelo zako zi be njengokukanya okupumayo.

6 Ngokuba nga be ngi tanda umusa, ngi nga tandi okuhlutyiweyo; nokumazi uTixo ngi tanda ku neminikelo etyiswayo.

7 Kanti bona njengabantu ba pulile uvumelwano; lapo ba kohlisile ngakimi.

8 iGiladi li umuzi wabenzi okubi, li ya telwa ngegazi.

9 Ku ti njengabapangi ba camela umuntu njalo isigaba sabateteleli si ya bulala endhleleni kanye, ngokuba ba yenza ukonakalisa.

10 Endhlini ya seIsraeli ngi bonile into embi; lapo ku kona ukupinga kwa seEfraimi, uIsraeli u ngecolile.

11 Futi u misile kuwe Juda ukuyuna, nxa ngi buyise ukutunjwa kwabantu bami.

ISAHLUKO 7.

**E**KWELAPENI kwami uIsraeli, ububi ba seEfraimi ba zibukulwa nokubi kwa seSamaria; ngokuba ba sebenza amanga; futi isela li ya ngena, nabapangi ba hlubule ngapandhle.

2 Kepa a ba ti ezinhliziyweni zabo ukuba ngi ya kunbula konke okubi

kwabo; kaloku ukwenza kwabo ku ba haqile, ba ngapambi kobuso bami.

3 Ngokubi kwabo ba ya jabulisa iukosi, nezikulu ngamanga abo.

4 Bonke ba izipingi, njengeziko elipenjwa umpeki, e peza ukutyisa se e xovile inhlama i ze i vubelwe.

5 Ngomhla wenkosi yetu izikulu za yi gulisa ngamanga ewaini; ya selula isindhla sayo nabahlekisayo;

6 Ngokuba ba sondezile iuhliziyo yabo njengeziko ekucameleni kwabo; umpeki wabo u ya lala ebusuku bonke; ekuseni ku ya tya njengomlilo o nelangabi.

7 Bona bonke ba ya vuta njengeziko, futi ba dhle abahluli babo; amakosi onke abo a wile; a kako ku bona o bilzela mina.

8 uEfraimi u zixubanisile nabantu; uEfraimi u isinkwa esi nga penduliwe.

9 Abezizwe ba dhile amandhla ake, kepa yena a kazi; futi izinwele ezimpunga zi hlakazekile pezu kwake, kepa a kazi.

10 Futi ukuzidhla kwa seIsraeli ku ya fakazela obala; kepa a ba buyeli kuJehova uTixo wabo, a ba m funi ngenxa ya loku konke.

11 Kepa uEfraimi u njengejuba eli nobuula e li nga nangqondo: ba ya kalela iEgipite, ba hambela eAsiria.

12 Njengaloku ba hambela, njalo ngo leneka ineta lani pezu kwabo; ngo behlisa njengeziyoni zezulu; ngo ba tyaya njenga loku umhlangano wabo u ku zwileyo.

13 Maye kubo ngokuba ba ngi balekele, ukucitwa ma ku be kubo! ngokuba bonile nga kimi; nokuba ngi ba hlaulele kanti ba kulumile amanga ngakimi.

14 A ba kalelanga mina ngenhliziyo, nxa be kala ezinkukweni zabo; ba zibutanela ukolweni newaini elitya, ba deda kimi.

15 Nokuba ngi bopile, ngi qinisile izingalo zabo, kanti ba ceba okubi nga kimi.

16 Ba ya buyela kongapakamileyo: ba njengomcibityelo okohlisayo; izikulu zabo zi ya kuwa ngenkamba ngolaka lolimi lwabo; loku ko ba ukuhlekiswa kwabo elizweni la sEgipite.

#### ISAHLUKO 8.

**B**EKA itilongo kuwo umlomo wako. Njengenqe pezu kwendhlu lika Je-

hova u ya kuza, ngokuba beqile uvumelwano lwami, ba pambukile emetweni wami.

2 uIsraeli u ya kumemeza kimi, Tixo wami, si ya kwazi.

3 uIsraeli u delile okulungileyo; isita si ya kumlandela.

4 Benzile amakosi, kepa ku nge ngami; benzile izikulu, kepa a ngi kwazanga; ngesiliva labo negolide labo ba zenzele izitombe, ukuze ba nqunywe.

5 Itole lako, Samaria, li zondekile; ulaka lwami lu ya vuta nga kubo; ko za ku be nini ba nge nakuhlanzeka na?

6 Ngokuba lona li be li vele kuIsraeli; umbazi wa lenza; kepa a li siye uTixo lona; kanti itole la seSamaria li ya kufohlozwa.

7 Ngokuba ba hlwanyele umoya, ba ya kuvuna isivunguvungu; ikaba a li se ko kuso, isilimo a si yi kwenza impupu; noma mhlaumbe si hlanza, abafa ba ya kusiminza.

8 uIsraeli u minziwe; kaloku ba ya kuba pakati kwezizwe njengesitya e si nge nantokoziso.

9 Ngokuba benyukele eAsiria be njengembongolo ya sendhle i yodwa uEfraimi u ya kokela abatandi.

10 Futi ngokuba ba kokele pakati kwezizwe, kaloku ngi ya ku ba buta, ko ti zi ba kulule masinyane emtwalweni wenkosi yezikulu.

11 Ngokuba uEfraimi wandisile amalati okona, amalati a ya kuba kuye ukona.

12 Ngi lobile kuye okuningi komteto wami, kepa kwa tiwa kuye njengokungaziwayo.

13 Ba ya hlaba inyama, i be ukuhlatywa kweminikelo yami; ba yi dhle; uJehova a ka bamkeli; kaloku wo kumbula ukonakalisa kwabo, a pindise izono zabo pezu kwabo; bona ba ya kubuyela Egipite.

14 Ngokuba uIsraeli u kohliwe uMenzi wake, futi u yaka amatempeli; noJuda wandisile imizi ebiyiweyo; kanti ngo tuma umlilo emizini yake, wona u ya kudhla izinqaba zayo.

#### ISAHLUKO 9.

**U**NGA jabuli Israeli, ngokwetaba njengabantu; ngokuba u dedile kuTixo wako ngokupinga, u tandile isipwo ezibuyeni zonke zokolweni.

2 Isibuya nompongolo wezinwazi a

si yi ku ba funza, ko ti iwaini elitya li pute pakati kwake.

3 A ba yi ku hlala ezweni lika Jehova; kepa uEfraimi wo buyela Egipte: bona ba ya kudhla okungecolileyo eAsiria.

4 A ba yi ku telela uJehova iwaini, a ba yi ku ba abahle kuye; ukuhlalywa ko ba kubo njengesinkwa sabalilayo; bonke a ba dhla kuso ba ya kungecoliswa, ngokuba isinkwa sabo sompefumlo wabo a si ya ku za endhlini ika Jehova.

5 Ni ya kwenzani ngomhla omisiweyo, na ngosuku lombuto ka Jehova na?

6 Ngokuba bheka ba mukile ngenxa yokucitwa: iEgipite lo ba buta, iMemfisi lo ba mbela; izindawo ezitandiweyo zesiliva labo, izimbabazani za ya kuzibanba; nameva a ya kuba enatenteni abo.

7 Izinsuku zokupindisa zi fikile izinsuku zokupindisela zi fikile; uIsraeli u ya ku kwazi; umazisi u isula, umuntu ngokomoya u ngohlanyayo, ngenxa yobuningi bokonakalisa kwako, na ngokuningi kokucita kwako.

8 Umlindi ka Efraimi u noTixo wami; umazisi u isibata somtityi ezindhleleni zonke zake, isifu endhlini ka Tixo wake.

9 Ba zona nokuzona ba citile njengasezinsukwini zika Gibeab; u ya kukumbula ukonakalisa kwabo, wo pinda izono zabo.

10 Nga m fumana uIsraeli njengezinwazi ehlane; nga bona oyihlo njengenhlamvu e andulelayo emkiwaneni, ngesikati sawo sokuqala. Ba ya eBalpeori, ba zihlukanisela kulo ihlazo lelo, kwa ti ukunengeka kwabo kwa ku njengokutanda kwabo.

11 AbakaEfraimi ukukazimula kwabo ko ndiza ku muke njengenyonni e muka ekuzalweni, na sesiswini, na sekumitweni.

12 Ngokuba ba kulisa abantwana babo, ngi ya kwenza ba felwe, ku nga biko muntu: yebo, maye kubo na sekumukeni kwami kubo!

13 uEfraimi njengaloku nga bona ngotire, u tyaliwe ekupumuzweni; kepa uEfraimi wo pumisela umbulali wabantwana bake.

14 Ba nike Jehova; Wo ba nikani na? ba nike isisu esipunzayo, namabele apusileyo.

15 Konke okubi kwabo ku seGilgali:

ngokuba kona lapo nga ba zonda; ngobubi bokwenza kwabo ngo ba xotywa endhlini yami, a ngi yi ku pinda ngi ba tande; izikulu zonke zabo zi ngabahlubuki.

16 uEfraimi u tyayiwe, impande yabo yomile, a ba yi ku veza isitelo; noma pela ba zala, ngo bulala izintokoziso zesisu sabo.

17 uTixo wami wo ba dela, ngokuba a ba lalelanga kuye; bona ba ya kuba abandindayo ezizweni.

## ISAHLUKO 10.

**U**ISRAELI u isinwazi esenabayo, u ya zivezela isitelo, ngokokuningi kwesitelo sake, wandisile amalati, njengobuhle bezwe lake, wenzile zi be zihle izitombe zake.

2 Inhliziyo yabo i hlukene; kaloku ba ya kupambeka, yena wo diliza amalati abo, wo cita izitombe zabo.

3 Ngokuba manje ba ya kuti, A yiko inkosi ki tina, ngokuba a si m sabanga uJehova; ngako inkosi i ngenzani kiti na?

4 Ba kulumile amazwi, be funga amanga, ukwenza uvumelwano; ngako ukwahlula ku ya mila njengenhlungunyembe emidweni yomhlabati.

5 Abahlezi eSamaria ba ya kwesaba ngenxa yamatole a seBet-aveni; ngokuba abantu balo ba ya kulila pezu kwalo ngenxa yobukosi balo, ngokuba bu dedile kulo.

6 Ko ti li yiswe eAsiria isipo kuyo inkosi e isita; uEfraimi u ya kwamkela ihlazo, noIsraeli wo jaba ngokuceba kwake.

7 NgeSamaria, inkosi yalo i nqunyiwe, njengamabazelo ebusweni bamanzi.

8 Izindawo ezipakamileyo za seAveni isono sabaIsraeli, si ya kucitwa; ameva nokula a ya kuhluma pezu kwamalati abo; bona ba ya kuti kuzo izintaba, Si sibekeleni, na kuyo inimango, Si weleni.

9 Wena Israeli wonile kwa semihleni ya seGibeab; bema kona lapo: ukulwa eGibeab ngakubo abantwana bokubi a ku hlangananga nabo.

10 Ku yintando yami ukuba ngi ba tyaye; bo ti abantu ba hlanganiswe ngakubo, ekubopweni kwabo ngokonakalisa kwabo okubili.

11 uEfraimi u inkabi entya efundisiweyo, e tanda ukubula ukolweni, kepa mina nga dhulula pezu kwentamo enhle yayo ngi ya kwenza uEfraimi a kwele,

uJuda wo lima, uJakobe a kuhlisele yena.

12 Zihlwanyeleni ngokulunga, ni vune emuseni; ni lime umhlabati odatyulweyo; ngokuba se ku isikati sokufuna uJehova, a ze a fike a nise ukulunga pezu kwenu.

13 Ni limile ububi, ni vunile okubi; ni dhllile isitelo samanga: ngokuba wetemba endhleni yako, ekuvameni kweziqwaga zako.

14 Ngako inxokozelo yo vuka pakati kwabantu bako, zi citwe zonke izinqaba zabo, njengoShalma o wa cita iBethabeli ngosuku lokulwa; unina wa fohlozwa pezu kwabantwana.

15 Njalo iBeteli li ya kwenza kini ngenxa yobubi obukulu benu; ekuseni inkosi i ya ku nqunywa impela.

### ISAHLUKO 11.

**L**APO uIsraeli wa be se umtwana, L kona nga m tanda, nga yi biza indodana yami i pume Egipite.

2 Ba ba biza, njalo ba pumela ebusweni babo; ba hlabela uBalimi ba tyisa impemo kuzo izitombe ezibaziweyo.

3 Mina nga m fundisa uEfraimi ukuhamba, nga ba pata ngezingalo zabo; kepa a bazanga ukuba nga ba pilisa.

4 Nga ba dons a ngezingambo zomuntu, ngezibopo zotando; nga ba kubo njengabo a ba pakamisa iyokwe ezihlatini zabo, nga beka ukudhla kubo.

5 A ka yi ku buyela ezweni la sEgipite, kepa uAsiria wo ba inkosi yake ngokuba ba nqaba ukubuya.

6 Ko ti inkemba i ponswe pezu kwemizi yake, i qede imivalo yayo i yi dhle, ngenxa yokuqondiswa kwabo.

7 Ba ti abantu bami ba tambeke ukulehla kimi; ngokuba ba ba bizela kuye Opakamileyo, a muko o ya ku m kulisa.

8 Ngo ku dela kanjani na, Efraimi? ngo ku lahla kanjani na, Israeli? ngo kwenza njengeAdma kanjani na? ngo ku beka njengeZiboimi kanjani na? inhliziyo yami i ya pendulwa pakati kwami, umhau wami u ya tya kanye.

9 A ngi yi kwenza ukuvuta kolaka lwami, a ngi yi ku buya ukucita uEfraimi; ngokuba ngi nguTixo, a ngi siye umuntu, ngi Oyingewele pakati kwako; a ngi yi ku gena ngolaka.

10 Ba ya kulandela uJehova: yena wo bodhla njengebubesi; nxa e bodhla abantwana aba ngasentyonalanga ba ya kututumela.

11 Ba ya kututumela njengenyon i e puma Egipite, na njenjejuba e li vele ezweni la seAsiria; ngoti ngi ba hlalise ezindhlini zabo, u tyo uJehova.

12 uEfraimi u ya ngi haqa ngamanga, nendhlu ya seIsraeli ngenkohliso; kepa uJuda u sa zulela kuTixo, u kolisile kuye Oyingewele.

### ISAHLUKO 12.

**U**EFRAIMI u ya dhla umoya, e landele umoya wa sempumalanga; Yena u yandisa amanga nokucitakala ngemihla yonke; bona ba ya lwenza uvumelwano noAsiria a ti amafuta a ya yiselwa Egipite.

2 Futi uJehova u nokupikisana noJuda, yena wo piudisa pezu kuka Jakobe ngokwezindhla zake.

3 Wa bamba isitende somfo wabo esiswini, na ngamandhla ake wa bambana noTixo.

4 Wa bamba nengelosi wahlula; wa lila wa ncenga kuye; wa m fumana eBeteli, na lapo wa kuluma nati.

5 Ukuti uJehova uTixo wamabandhla, uJehova u isikumbuzelo sake.

6 Ngako ma u pendukele kuTixo, u gcine umusa nokwahlula, u bheke kuTixo wako njalo.

7 U ngumtengi, izilinganiso zenkohliso zi sesandhleni sake; u ya tanda ukuhlupa.

8 Futi uEfraimi wa ti, Se ngi fuyile, ngi zi fumanele ingcebo; ekuzuzeni konke kwami a ba yi ku fumana okubi o ku isono.

9 Kepa mina uJehova uTixo wako kwa sezweni la sEgipite ngo ku hlalise futi ematenteni, njengasemihleni yemi-buto.

10 Mina ngi kulumile ngabazisi, ngi zandisile izibonakaliso, na ngesandhla sabazisi ngi fanisile.

11 Bheka, iGiladi li ububi, nembala ba ize; ba ya hlaba izinkomo eGilgali; amalati abo a njengezimfumba pezu kwemisele yomhlabati.

12 Kanti uJakobe wa balekela ezweni la seSyria, uIsraeli wa konzela umfazi, wa ti ngomfazi wa zalusa izimvu.

13 Futi uJehova wa kupula uIsraeli Egipite ngomazisi, wa londolozwa na ngomazisi.

14 uEfraimi wa m tukutelisa ngokubabisa: ngako wa lahla igazi lake pezu kwake, nokudelwa kwake iNkosi yake yo ku buyisela kuye.

ISAHLUKO 13.

**L**APO uEfraimi wa kuluma ngokwe-  
L saba wa zipakamisa eIsraeli; kanti  
wa pambeka kuBali, wa fa.

2 Kaloku ba pinda ukona, bona ba  
zenzele imifanekiso enebilikisiweyo  
ngesiliva labo, nezitombe njengoku-  
qonda kwabo, konke kwazo ku umse-  
benzi wabalumbi; ba tyo ngazo, ukuti,  
abantu abahlabayo ma bange ama-  
tole.

3 Ngako ba ya kuba njengefu lokusa,  
nombete, o muka masinyane, njenga-  
makoba a pepetwa esibuyeni, nomusi  
entubeni.

4 Kapa mina ngi nguJehova uTixo  
wako kwa sezweni la sEgipite, a u yi  
ku m azi uTixo ngapandhle kwami,  
amuko umsindisi, i mina kupela.

5 Nga kwazi ehlane, ezweni elomi-  
leyo.

6 Njengedhlelo labo, njalo ba suta;  
ba suta, ya pakama ihliziyoyabo;  
ngako ba ngi kohlile.

7 Ngako ngi ya kuba kubo njenge-  
ngonyama; njengengwe endhlehleni ngo  
linda.

8 Ngo hlangana nabo njengebere eli-  
felwe amaundhlu alo, ngo ti ngi dabule  
isibekelo senhliziyoyabo, na lapo ngo  
ba dhla njengengonyama; izilo zomhla-  
bati zo ba dwengula.

9 Israeli loku ku ku citile ukuba u  
pambene nami ukusiza kwako.

10 I pi manje inkosi yako, i ze i ku  
sindise emizini yonke yako na? naba-  
hluli bako ba pi, o wa tyo kubo ukuti,  
Ngi nikeni inkosi nezikulu na?

11 Nga ku nika inkosi olakeni lwami,  
nga buya nga i susa ekutukuteleni  
kwami.

12 Ububi buka uEfraimi bu lotyiwe;  
isono sake si bekiwe.

13 Ubuhlungu bobebetayo bo m fikela;  
u indodana e nga hlakanipiyoyabo;  
ngokuba nga e nge mi isikati endaweni  
yokudabula kwabantwana.

14 Ng i ya kuba kulula esandhleni se-  
Sheoli; ngi ba hlaulele ekufeni: Kufa,  
ngi ya kuba ukubujiswa kwako; Sheoli

ngi ya kuba ukunqunywa kwako; uku-  
penduka ko sibekelwa emehlweni ami.

15 Ngokuba yena u be isitelo pakati  
kwabazalwane bake, umoya wa sempu-  
malanga wo fika, umoya ka Jehova wo  
kupuka u vele ehlane, umtombo wake  
wo tya, umtombo wake wo ma; wo  
panga ingcebo yezitya zonke ezitandi-  
weyo.

16 iSamaria lo citwa, ngokuba li tya-  
yanile noTixo wako: ba ya kuwa ngen-  
nkemba; izingane zabo zo fohlozwa,  
abakulelweyo babo bo qaqwa.

ISAHLUKO 14.

**I**SRAELI, buyela kuJehova uTixo  
wako; ngokuba u dangele ngobubi  
bako.

2 Tabatani nani amazwi ni buyele ku-  
Jehova: ni tyo kuye ukuti, Susa ububi  
bonke, u lete okuhle; njalo so koka izi-  
ndebe zetu ngezinkomo.

3 uAsiria a ka yi ku si sindisa; a si yi  
ku hamba elashini a si yi ku tyo futi  
kumsebenzi wezandhla zetu, Zitixo ze-  
tu; ngokuba izinkedama zi ya hauke-  
lwa ku wena.

4 Ngo zelapa izihlubuko zabo, ngo ba  
tanda ngenhliziyoyabo; ngokuba ulaka lwami  
lu buyile kuye.

5 Ng i ya kuba njengombete kuIsraeli:  
wo kahlela njengentebe, wo pumisa izi-  
mpande zake njengeLebanoni.

6 Amahlumela ake o puma, ubuhle  
bake bo ba njengomhlwathi, nepunga la-  
ke njengeLebanoni.

7 Bona a ba hlezi etunzini lake ba ya  
kubuya; bo pila njengokolweni, ba ka-  
hlele njengesinwazi, ukukunjulwa kwa-  
ke njengewaini la seLebanoni.

8 uEfraimi u ya kutyo ukuti, Ngi na-  
ntoni futi emifanekisweni na? ngi m  
lalele, ngi m lindile; ngi njengombe-  
roshi oluhlaza; isitelo sako si ya funya-  
nwa kimi.

9 Ubani o hlakanipile a qonde loku  
na? oqondayo a kwazi na? ngokuba  
izindhlala zika Jehova zi lungile, ko ti  
abalungileyo ba hambe ngazo; kanti  
abapambeki ba ya kukubeka kuzo.

# INCWADI KA JOELI.

## ISAHLUKO 1.

**I**ZWI lika Tixo e be li kuJoeli, indodana ka Pitueli.

2 Yizwani loku nina badala, ni lalele nina nonke e ni hlezi ezweni; Po be ku kona loku emihleni yenu, noko emihleni ya oyihlo benu na?

3 Tyelani abantwana benu ngako, nabantwana benu ma ba tyele abantwana babo, nabantwana babo ma ba tyele isizukulwane esilandelayo.

4 O ku shiyiwe isikonyana ku dhliwe izinkumbi; noku shiyiwe izinkumbi ku dhliwe inkasa, noku shiyiwe inkasa ku dhliwe umkotane.

5 Vukani nina enidakiweyo ni lile; ni kale nina nonke bapuzi bewaini, ngenxa yesinwazi esinyatelwayo; ngokuba si nqunyiwe emlonjeni wenu.

6 Ngokuba isizwe si kupukile pezu kwezwe lami, isizwe esi namandhla, esi nge nakubalwa; amazinyo aso a ngamazinyo engonyama, namazinyo aso okuhlafuna a iwo ebubesi.

7 Si citile isinwazi sami, nomkiwane wami si wapulile; si wu xozile impela, si wu lahlele, senzile a be nihlope amatya awo.

8 Kala njengomakoti ombete isaka ngenxa yendoda yobutya bake.

9 Umnikelo wokudhla nowokupuza u nqunyiwe endhlini ka Jehova; abateteleli abakonzi baka Jehova ba ya lila.

10 Umhlabati u hlubuliwe, izwe li ya lila, ngokuba amabele a citiwe; iwaini elitya li tyile, amafuta a ya puta.

11 Jabani nina balimi; kalani nina aba sebenza isinwazi ngenxa yokolweni, na ngenxa yebale, ngokuba amabuya omhlabati a citekile.

12 Isinwazi si bunile, umkiwane u ya puta; umrimoni, nesundu futi, nomtapuaki, nemiiti yonke yomhlabati i bunile; ngokuba injabulo yomile pakati kwamadodana abantu.

13 Zibopeni, ni lile nina bateteleli, kalani nina bakonzi belati; wozani ni camele ebusuku emasakeni nina bakonzi baka Tixo wami, ngokuba umnikelo wokudhla nowokupuza u gohliwe endhlini ka Tixo wenu.

14 Yahlukanisani ukuzila ukudhla, ni bize umhlangano, butani abadala naba-

hleziyo ezweni lonke endhlini ka Jehova uTixo wenu, ni kale kuJehova.

15 Au lolusuku! ngokuba usuku luka Jehova lu ya vondela, lu ya kuza njengokububa lu vela kuye uSomandhla.

16 Ukudhla a ku nqunyiwe emehlweni etu ini na, nenjabulo nokwetaba endhlini ka Tixo wetu?

17 Imbeu i bolile pansi kwamagade ayo, izibuya zi citekile izinyango zi dilikile ngokuba izikafu zi bunile.

18 Yeka izilwane zi ya bubula kangaka! imihlambi yezinkomo i katazekile, ngokuba a zi nakudhla; futi imihlambi yezimvu i ya citeka.

19 Jehova ngo kala kuwe ngokuba umlilo u dhlihle amadhlelo a senhle, ilangabi lomlilo li tyisile yonke imiti yomhlabati.

20 Izilo zomhlabati nazo zi kalela wena; ngokuba imifula yamanzi i tyile; umlilo u dhlihle amadhlelo a sendhle.

## ISAHLUKO 2.

**K**ALISANI itilongo eZioni, ni hloko mise entabeni yami e ingwele; ma ba tutumele bonke a ba hlezi ezweni; ngokuba usuku luka Jehova lu yenza, ngokuba lu seduze.

2 Usuku lobumnyama nolokunyukubala, usuku lwamafu nobumnyama obunzima, njengokusa ku sa beja pezu kwezintaba, abantu abanengi aba namandhla; a ku ba ngako a banje napakade, a ku yi ku pinda emva kwabo ba be kona abanje, ku ze ku be seminyakeni yezizukulwane nezizukulwane.

3 Umlilo u ya dhla pambi kwabo; nasemuva ilangabi li ya tyisa: izwe li njengensimu ya sEdene ngapambi kwabo, kepa emuva kwabo li ugwadule olu citekileyo, futi a ku yi ku ba kona okusindayo ku bona.

4 Isimo sabo si njengesimo samahashi; na njengabakweli emahashini njalo bo gijima.

5 Njengomsindo wezinewele ezinhlokweni zezintaba ba ya kweqa, njengomsindo welangabi lomlilo eli zi dhlayo izibi, njengabantu aba namandhla be hlelelwa ukulwa.

6 Ebusweni babo abantu ba ya kuba

nobuhlungu; ubuso babo bonke bo twe-sa ukufudumala.

7 Ba gijima njengamaqawe; na nje-ngamadoda okulwa ba ya kukwela odo-ngeni, ba ya kuya ilowo ngendhlela yake, a ba yi ku pambana emikondweni yabo.

8 A ba yi ku qubutyana ilo umgahe wake; ilendoda yo hamba ngendhlela yayo; ba ya kuwa pakati kwemikonto, kepa a ba yi ku himala.

9 Ba ya kuzihambela emzini; ba gijime odongeni, ba kwele ezindhlini; ba ngene ngezibuko njengesela.

10 Izwe lo tutuniela pambi kwabo, nezulu li zamazame; ilanga nenyanga yo nyamalala, nezinkanyezi zi suse ukukazimula kwazo.

11 Ku ya kuti uJehova a pumise izwi lake pambi kwempi yake; ngokuba li kulu kakulu ibandhla lake; ngokuba u namandhla yena o wenza izwi lake; ngokuba usuku luka Jehova lu kulu lu yesabeka kakulu; ubani a nge ma ngalo na?

12 Ngakoke manje u tyo uJehova, ukuti, pendukelani kimi ngenhliziyo yonke yenu, na ngokuzila, na ngokukala na ngokulila:

13 Ni dabule izinhliziyo zenu, ni nga dabuli izambato zenu, ni pendukele kuJehova uTixo wenu; ngokuba u nomusa, u ya haukela, u puza ukutukutela, u vame ubunene, u dabukile ngokubi.

14 Ubani o kwaziyo ukuba a nga buya yena a dabuke, a shiya emva kwake ubusiso; umnikelo wokudhla no woku-puza kuJehova uTixo wenu na?

15 Kalisani itilongo eZioni yahlukanisani ukuzila, ni meme umhlangano.

16 Hlanganisani abantu, nahlukanise umhlangano, ni bute abadala, ni hlanganise abantwana nabancelayo, umyeni ma ka pume ekamelweni lake, noma-koti embedeni wake osibekelweyo.

17 Abateteleli, izikonzi zika Jehova ma ba kale pakati kwendhlu yesango nelati, ma ba tyo, ngokuti; Jehova, haukela abantu bako, u nga niki ifa lako ekudelelweni, ukuze izizwe zi ba buse; yini ukuba zi tyo pakati kwabantu, ukuti, Upi uTixo wako na?

18 Lapo uJehova u ya kuba nomona ngezwe lake, a haukele abantu bake.

19 Futi uJehova wo pendula, a ti kubantu bake, Bhekani, ngo tuma kini ukolweni, uenwaini elitya namafuta, ni

sute iko; a ngi sa yi ku nenza ni delele-ke pakati kwezizwe.

20 Futi ngo susa kini impi ya senyaka, ngi yi xotyele ezweni elomileyo elicitakeleyo, ubuso bayo ngaselwandhle lwa sempunalanga, nenxenye yayo elandelayo ngaselwandhle olusemuya, ko ti ukunuka kwayo ko nyuka, nepunga layo lo kupuka, ngokuba yenzile okukulu.

21 U ngesabi mhlabati; jabula wetabe ngokuba uJehova u ya kwenza okukulu.

22 Ni ngesabi nina zilwane za sendhle, ngokuba amadhlelo a sehlane a ya hluma, ngokuba umuti u ya tela ukudhla kwawo, umkiwane nesinwazi si ya nika amandhla aso.

23 Jabulani ngako bantwana ba seZioni, netabe kuJehova uTixo wenu; ngokuba u ni nikile imvula eyandulelayo ngokuhle, futi u ya kunehlisela imvula eyandulelayo, nemvula elandelayo ngenyanga yokuqala.

24 Ku ya kuti izibuya zi gewale uko-lweni, nemipongolo yewaini, neyamafuta i ya kucieima.

25 Ngo buyisela kini iminyaka e dhliwe izinkumbi, nenkasa, nomkotane, nesikonyana, impi yami e nga yi tuma pakati kwenu.

26 Ni ya kudhla nokudhla nina, ni sute, ni bongwe igama lika Jehova uTixo wenu, o wenze kini ngokumangalisayo; futi abantu bami a ba yi ku jaba napakade.

27 Ni ya kwazi ukuba ngi pakati kwabaIsraeli, futi mina ngi nguJehova uTixo wenu, amuko ngupandhle; abantu bami a ba yi ku jaba napakade.

28 Ku ya kuti emvake, ngo tela umoya wami pezu kwenyama yonke; amadodana enu namadodakazi enu a ya kwazisa, abadala benu bo pupa amapupo, namadoda amatya enu a bone izibonakaliso.

29 Futi ngo tela umoya wami pezu kwezinecekukazi ngaleyomihla.

30 Ng i ya kwenza imimangaliso ezulwini na semhlabeni, igazi, nomlilo, nezinsika zomusi.

31 Ilanga lo guquka li be mnyama, nenyanga igazi, ku nga ka fiki usuku olukulu olusabekayo luka Jehova.

32 Ku ya kuti bonke a ba kuleka ngegama lika Jehova ba ya kusindiswa; ngokuba ku ya kuba kona ukusindiswa entabeni iZioni, na seJerusalema njengaloku uJehova u tyilo, ukuti, ku-bo abaseleyo o ya kuba biza uJehova.



ISAHLUKO 3.

**N**NGOKUBA, bheka, ngezinsuku lezo na ngesikati lesa e ngi ya kubuyisa ukutunjwa kwabaJuda neJerusema ngaso;

2 Ngo buta nezizwe zonke, ngi zeusele emfundeni ka Jehoshafati, ngi pike nabo lapo ngenxa yabantu bami, na ngenxa yefa lami uIsraeli a ba li hla-kazile ezizweni, ba labele izwe lami.

3 Futi ba ponsela abantu bami inkato; ba nikile umfana ngesifebe, ba tengile intombazana ngewaini ukuze ba puze.

4 Futi nina Tire neSidoni namacala onke, a sePalestina ni nani kimi na? nina ni ya kungenzela impindiselo na? noma ni ngi pindisela, ngo buyisela impindiselo yenu ekanda lenu ngokulula na ngokutyetya.

5 Ngokuba ni tabatile isiliva lami negolide lami, ni ku yi sile ematempe- leni enu okutokozisayo nokuhle kwami:

6 Futi ni tengile ngabantwana baka- Juda nabantwana bakaIsraeli kuban- tswana bamaGrecki ukuze ni ba dedise kude nomkaulo wabo.

7 Bheka mina ngo ba vusa endaweni lapo ni tengisile ngabo kona, ngi buyi- sele ekanda kini impindiselo yenu:

8 Mina ngo tengisa ngamadodana enu namadodakazi enu esandhleni saba- ntwana baka Juda, bona ba buye ba tengise ngawo kubo abaSabea, kubantu aba kude: ngokuba uJehova u tyilo.

9 Memezani loku pakati kwezizwe; lungisani ukulwa, ni vuse iziqwaga; ma a sondele, a kupuke onke amadoda okulwa:

10 Kandani amageja enu a be izinke- mba, nemimese yenu i be imikonto; otabhileyo ma ka tyo ngi isiqwaga.

11 Zihlanganiseni ni ze nina zizwe

nonke, ni butane ni zungeze; wehli- sele kona amaqawe ako Jehova.

12 Ma zi vuswe izizwe zi kupukele emfundeni ka Jehoshafati; ngokuba la- po ngo hlala ngahlule izizwe zonke ezi- zungezayo.

13 Fakani isikela, ngokuba ibuya li vutiwe; Zanini neukele ngokuba umpo- ngolo u gwele, imipongolo i ya cicima; ngokuba ububi bu kulu.

14 Izixuku, izixuku emfundeni yo- kwahlulela; ngokuba usuku luka Jeho- va lu seduze emfundeni yokwahlulela.

15 Ilanga nenyanga yo nyamalala, nezinkanyezi zi suse inkazimulo yazo.

16 Futi uJehova wo bodhla eZioni, a pimise izwi lake eJerusema; ko ti izulu nomhlaba u zamazame; kepa uJe- hova u isipepelo kubantu bake, nenqaba yabantwana ba seIsraeli.

17 Njalo ni ya kwazi ukuba mina ngi nguJehova uTixo wenu ngi hlezi eZi- oni, intaba yami eyingewele; lapo iJe- rusalema li ya kuba ngewele, nabafo a ba yi ku li dabula futi.

18 Ku ya kuti nga lomhla ukuba izi- ntaba zi conse iwaini elitya, nemima- ngo i hambe nobisi, nemifula yonke ya seJuda i hambe namanzi; nomtombo wo puma endhlini ka Jehova u netise imfunda ya seShitimu.

19 iEgipite li ya kuba incitakalo iE- domi lo ba ugwadule olu citekileyo ngenxa yonya kubantwana baka Juda, ngokuba ba palazile igazi eli nge nacala ezweni labo.

20 Kanti iJuda lo hlala ku ze ku be pakade neJerusema ngezizukulwane nezizukulwane.

21 Ngokuba ngo hlanza igazi labo e ngi nga li hlanzanga; ngokuba uJe- hova u hlezi eZioni.

## INCWADI KA AMOSI.

ISAHLUKO 1.

**A**MAZWI a ka Amosi o be pakati kwabalusi ba seTekoa, o wa wa bona ngoIsraeli ngezinsuku zika Uzia inkosi ya seJuda, na sezinsukwini zika Jeroboamu indodana ka Joashi inkosi ya seIsraeli, iminyaka emibili eyandu- lela ukuzamazama komhlaba.

2 Wa ti yena, uJehova wo bodhla

eZioni a pumise izwi lake eJerusema; ko ti izihlalo zabalusi zi lile, nesihloko sa seKameli si bune.

3 Njalo u tyo uJehova ngezipambeko ezitatu za seDamaseku na ngesezine a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwabo, ngokubula kwabo iGiladi ngesihlapi se- nsimbi.

4 Kanti ngo tuma umlilo endhlini ka

Hazaeli o ya kudhla izinqaba zika Ben-Hadadi.

5 Ngi ya kwapula unvalo wa seDamaseku, ngi m nqume ohleziyo etafeni la seAveni, naye o pete intonga yokubusa endhlini ya seEdeni; ko ti abantu ba seSyria ba tunjelwe eKiri, u tyo uJehova.

6 Njalo u tyo uJehova; ngezipambeko ezitatu za seGeza, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwalo, ngokuba ba tumbile ukutunjwa konke uku ku nikela kuEdomi.

7 Kanti ngo tuma umlilo pezu kodonga lwa seGaza o ya ku dhla izinqaba zalo.

8 Ngo ti ngi nqume ohleziyo kuAshdodi, naye o pete intonga yokubusa ku-Ashkeloni, ngo buyisela isandhla sami pezu kweEkroni; ko ti insalo yabaFilibisti i bube, i tyo iNkosi uJehova.

9 Njalo u tyo uJehova, ngezipambeko ezitatu, za seTire, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwalo, ngokuba ba nikela ukutunjwa konke kuEdomi, futi a ba kumbulanga uvumelwano lwabazalwane.

10 Kanti ngo tuma umlilo pezu kwezindonga za seTire, o ya ku dhla izinqaba zalo.

11 Njalo u tyo uJehova; ngezipambeko ezitatu zabaEdomi, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwabo; ngokuba ba landela umfo wabo ngenkamba, ba pambukisa umhau wabo, uolaka lwake lwa dabula njalo, wa gcina intukutelo ku ze ku be pakade.

12 Kanti ngo tuma umlilo pezu kweTemani, o ya ku dhla izinqaba za seBozra.

13 Njalo u tyo uJehova; ngezipambeko ezitatu zabantwana baka Amoni, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwabo, ngokuba ba qaqa abakulelweyo ba seGiladi, ukuze ba kulise umkaulo wabo.

14 Kanti ngo pemba umlilo ezindongeni za seRaba, wona u ya kudhla izinqaba zalo, ngenxokozelo ngosuku lokulwa, ngesipepo ngosuku lwesivunguvungu.

15 Ku ya kuti inkosi yabo i ye ekutunjweni, yona nezikulu zayo kanye, u tyo uJehova.

## ISAHLUKO 2.

**N**JALO u tyo uJehova ngezipambeko ezitatu za saMoabi, na ngesesine, a

ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwalo; ngokuba ba tyisa amatambo enkosi ya seEdomi, a be umcako.

2 Kepa ngo tuma umlilo pezu kweMoabi, u dhle izinqaba za seKirioti; ko ti iMoabi li fe ngenxokozelo, na ngomindo na ngokukala kwetilongo;

3 Futi ngo nquma abateti pakati kwalo, ngi bubise izikulu zonke zalo kanye nalo, u tyo uJehova.

4 Njalo u tyo uJehova ngezipambeko ezitatu za seJuda, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwalo; ngokuba ba delile umteto ka Jehova, a ba geinanga izimiso zake, futi amanga abo a' ba dusile, a ba wa landelayo oyise babo;

5 Kepa ngo tuma umlilo pezu kweJuda, u dhle izinqaba ze seJerusalema.

6 Njalo u tyo uJehova; ngezipambeko ezitatu za seIsraeli, na ngesesine, a ngi yi ku ku buyisa ukulahlwa kwalo; ngokuba ba tengile olungileyo ngesiliva, nompopu ngombanja wezicatulo;

7 A ba fisu utuli lomhlabati olu sekanda kwabampofu, ba pambukisa nendhlela yotobekileyo; futi umuntu noyise ba ngena kuyo intombi inye ba ngeolise igama lami eli ingewele.

8 Ba ya cambalala pezu kwezingubo zokubambisa ngasohlangotini lwamalati onke, ba puza iwaini labahlaulisiweyo endhlini ka Tixo wabo.

9 Kepa mina nga cita umAmori ebusweni babo, okudepa kwake kwa ku njengokudepa kwamasedari, wa e qinile njengamaaloni; noko nga cita izinhlamvu zake ngapezulu, nezimpande zake ngapansi.

10 Futi nga ni kupula nina ezweni la seEgipite, nga ni hola ehlane iminyaka engamashumi amane, ni ze ni bambe izwe lomAmori.

11 Futi nga pakanisa abanye bamadodana enu ba be abazisi, nabamadoda amatya enu ba be abaNazari. A ngi ti loku ku njalo, bantwana ba seIsraeli na? u tyo uJehova.

12 Kanti nina na puzisa abaNazari iwaini, na yaleza abazisi ni ti, ni ngazisi.

13 Bheka, mina ngo ni cindezela pansu, njengaloku ingqakumbane i ya cindezela e gewele izinyanda.

14 Ngako isipepele so putu kuye o nejubane, yena o namandhla a ka yi ku qinisa amandhla ake, nesiqwaga a si yi ku sindisa umpefumlo waso.

15 Naye o pete umebityelo a ka yi ku ma; naye o lula ezinyaweni a ka yi ku zisindisa; nokwela ehashini a ka yi ku sindisa umpfumlo wake.

16 Ko ti yena o qinile enhliziyweni pakati kwezinqwaga wo baleka e hambaze ngalolosuku, u tyo uJehova.

ISAHLUKO 3.

**Y**IZWANI izwi leli uJehova a li kulumileyo kinina, bantwana ba se-Israeli, kuwo umdeni wonke e ngi wu kupulile ezweni la seEgipite, ngi ti,

2 Ngi nazile nina nodwa kuyo yonke imindeni yomhlaba; ngako ngo ni tyaya ngenxa yako konke ukonakalisa kwenu.

3 Ababili ba nga hamba kanye uma be nga hlangene na?

4 Ingonyama yo bodhla ehlatini uma i nge nampango na? ingonyama entya yo pumisa izwi layo emhumeni wayo uma i nga bambile luto na?

5 Inyoni i nga wa esitiyweni emhlabatini uma isihibi si ngeko kuyo na? umuntu wo susa isitiyo emhlabatini e nga bambanga uluto na?

6 Itilongo lo kaliswa emzini abantu ba ngetuki na? ko ba kona okubi emzini, ku ngenziwanga uJehova na?

7 Kanti uJehova a ka yi kwenza uluto uma e nga bonisi imfihlakalo yake kuzo izinceku zake abazisi.

8 Ingonyama i bodhlile, ubani o nga yi kwesaba na? iNkosi uJehova i kulumile, ubani o nga yi kwazisa na?

9 Tyelani ezinqabeni za seAshdodi, na sezingqabeni zezwe la seEgipite, ni tyo ukuti, hlanganani ezintabeni za seSamaria, ni bone izinxokozelo ezinkulu pakati kwalo, nezinhlupo pakati kwalo.

10 Ngokuba a ba kwazi ukwenza okungileyo, u tyo uJehova, aba gcina ukwamuka nokupangiweyo ezinqabeni zabo.

11 Ngako njalo i tyo iNkosi uJehova; Si kona isita e si ya ku zungeza izwe; sona so wisa amandhla ako kuwe, futi zo pangwa izinqaba zako.

12 Njalo u tyo uJehova; Njengaloko umalusi u kipa emlonyeni wengonyama imilenzi emibili, nenxenyeyendhlebe; njalo amadodana a ka Israeli a hlezi eSamaria a ya kukitywa egumbini lombede, na seDamaseku pezu kwecansi.

13 Yizwani ni qinise endhlini ka Jakobe, i tyo iNkosi uJehova, uTixo wambandhla.

14 Ukuba ngosuku e ngi pindisela ngalo isipambeko sika Israeli pezu kwake, ngo pindisela pezu kwamalati a seBeteli; ko ti izimpondo zelati zi nqunywe, zi we emhlabatini.

15 Futi ngo tyaya indhlu yobusika nendhlu yehlobo; nezindhlu zopondo lwendhlovu zo citeka, nezindhlu ezinkulu zo pela, u tyo uJehova.

ISAHLUKO 4.

**Y**IZWANI lelizwi, nina zinkomazi za seBashane e ni sentabeni ya seSamaria, e ni hlupa abampofu, e ni coboza abadingayo; e ni tyo kubo abaninizo, ukuti, Leta, si puze.

2 iNkosi uJehova u fungile ngobungcwele bake, ukuba, bheka izinsuku zi ya kuza ngazo, wo ni susa ngezigwegwe, naba ni landelayo ngezindobo.

3 Ko ti ni pume ezikaleni, i le ngalesi e si pambi kwayo; ni cite oku sezingqabeni, u tyo uJehova.

4 Wozani eBeteli, ni pambeke; nandise ukupambeka eGilgali; ni lete iminikelo yenu ekuseni nokweshumi kwenu emva kweminyaka emitatu.

5 Ni tyise umnikelo wokubonga opangiweyo, ni memeze, ni zwakalise iminikelo evuyelweyo, ngokuba ni ya tanda njalo, nina bantwana ba seIsraeli, i tyo iNkosi uJehova.

6 Futi ngi ni nikile ukuhlanzeka kwamazinyo emizini yonke yenu, nokuswela isinkwa ezindaweni zonke zenu, kepa a ni buyelanga kimi, u tyo uJehova.

7 Futi ngi gohlile kini imvula ku sala izinyanga ezintatu ku ze ku be sekuvuneni; nga ti nga nisa pezu komunye umuzi, na pezu komunye a ngi nisanga; inxenyeyinye ya netiswa, kepa inxenyeye nga netiswanga ya buna.

8 Kwa ti imizi emibili noko emitatu ya ndindela emzini omunye ukupuza amanzi; kepa a i sutanga; noko a ni buyelanga kimi, u tyo uJehova.

9 Ngi ni tyayile ngokubuna na ngesikuta; ekuvameni kwamasimu enu, namasimu esinwazi enu, nemikiwane yenu, nemihlwati yenu, isikonyana sa wa dhla; noko a ni buyelanga kimi, u tyo uJehova.

10 Ngi tumile pakati kwenu ukufa ngokwenziwa Egipite, ngi bubisile izinsizwa zenu ngenkamba kanye nokutunjwa kwamahashi enu, ngenzile ukunuka kwamatanga enu ku nyukele

emakaleni enu, noko a ni buyelanga kimi, u tyo uJehova.

11 Ngi citile abanye benu njengoku-citwa kweSodoma, neGomora nguTixo, nani njengesikuni esi kityiwe ekutyisweni, noko a ni buyelanga kimi, u tyo uJehova.

12 Ngako ngi ya kwenza njalo kini Israeli; ngenxa yokuba ngi ya kwenza loku kuwe, lungisa ukuhlangana noTixo wako Israeli.

13 Ngokuba, bheka, yena o wa zenza izintaba, o wa dala umoya, o tyela umuntu ukuba isizindhlo sake si ini, o wenza ukusa ku be ubumnyama, o nyatela ezindaweni ezipakamileyo zezwe, uJehova, uTixo wamabandhla igama lake.

### ISAHLUKO 5.

**Y**IZWANI lelizwi e ngi li pata kini, eli isililo, Ndhlu kaIsraeli.

2 Intombi kaIsraeli i wile, a i sa yi ku vuka; i shiyiwe emhlabatini wayo; a muko o yi vusayo.

3 Ngokuba njalo i tyo iNkosi uJehova; Umuzi o wa puma ngenkulungwane wo shiya ikulu, na lo o wa puma ngekulu wo shiya ishumi kuyo indhlu kaIsraeli.

4 Ngokuba njalo i tyo uJehova kuyo indhlu ka Israeli, Ngi funeni ni pile.

5 Kanti ni nga funi iBeteli, ni nga ngeni eGilgali, ni nga dabuli iBersheba, ngokuba iGilgali lo tunjwa isibili, neBeteli li ya kuba ize.

6 Funani uJehova, ni pile; funa a dabule njengomlilo endhlini ka Josefa, u dhle, ku nga biko o wu eimayo eBeteli.

7 Nina e ni pendula ukwahlula ku be inhlungunyembe, ni yeke ukulunga emhlabeni,

8 M funeni o wa senza isiLimela neOrioni, o pendula itunzi lokufa li be ukusa, nemini u ya yi nyamalalisa i be ubusuku; o biza amanzi olwandhle, e wa telela ebusweni bomhlaba: uJehova igama lake.

9 O kazimulisa ukucita pezu konamandhla, njengokuba ukucita ku ya kuza pezu kwenqaba.

10 Ba ya m zonda yena o wahlulayo esangweni, ba ya nengwa o kuluma ngokufaneleyo.

11 Ngenxa yokuba ukunyatela kwenu ku pezu kompofu, ni tabata kuye isitelo sika kolweni; nakile izindhlu zamatye abaziweyo, kepa a ni yi ku hlala kuzo;

ni tyalile amasimu amahle esiwazi, kepa a ni yi ku puza iwaini lawo.

12 Ngokuba ngi ya zazi izipambeko zenu ezivamayo, nezono zenu ezi namandhla; ba ya hlupa olungileyo, banikela imali yenkohliso, ba pambukise abampofu esangweni kuko oku ba faneleyo.

13 Ngako abaqondayo ba ya kutula ku lesosikati, ngokuba si isikati esibi sona.

14 Funani okulungileyo, ni nga funi okubi, ukuze ni pile: njalo uJehova uTixo wamabandhla wo ba nani, njengaloku eni ku tyilo.

15 Zondani okubi, ni tande okulungileyo, ni mise ukwahlula esangweni; ingabe uJehova uTixo wamabandhla wo ba nomusa kuyo insalo ka Josefa.

16 Ngako njalo u tyo uJehova, uTixo wamabandhla, iNkosi; Ko ba kona ukukala ezindhleleni zonke, ba ya kutyo na semigwaqweni yonke Maye! Maye! ba ya kuti ba bize unlimi ekulileni, nokukala kubo a bazi isililo.

17 Na semasimini onke ko ba kona ukukala; ngokuba ngo dabula pakati kwabo u tyo uJehova.

18 Hau nina e ni fisa usuku luka Jehova! ngokuba lolu lo sizani kini? usuku luka Jehova lu ubumnyama, ca ukukanya.

19 Njengomuntu o wa balekela ingonyama, wa hlanguka nebere; noko wa ngena endhlini, wa beka isandhla sake odongeni, ya m luma inyoka.

20 A lu yi ku ba ubumnyama usuku luka Jehova, lu nga bi ukukanya na? ukuti, ubumnyama obunzima, ku ngeko ukukazimla kulo na?

21 Ngi ya zonda ngi dele imibuto yenu; a ngi yi ku nuka emihlanganweni yenu.

22 Ngokuba ni nikela kimi iminikelo yokutyiswa neminikelo yenu yokudhla, a ngi yi ku yamkela; a ngi yi ku naka neminikelo yokuhlala kahle yezinonileyo zenu.

23 Susa kimi umsindo wezihlabelelo zako; ngokuba a ngi yi ku zwa invungu yezingubu zako.

24 Kepa ukwahlula ma ku hambe njengamanzi, nokulunga njengomfula olumbayo njalo.

25 Ni nikele kimi iminikelo yokuhlalya neyokudhla iminyaka e ngamashumi amane ehlanu, Ndhlu ka Israeli na?

26 Kepa ni patile itente lika Moloko wenu, ne lika Kiuni izitombe zenu, inkanyezi yotixo wenu e ni zenzeleyo.

27 Ngako ngi ya kwenza ni tunjwe ngapesheya kweDamaseku, u tyo uJehova ogama lake li uTixo wamabandhla.

ISAHLUKO 6.

AU kulaba aba hlezi ngokwenama eZioni, a betemba entabeni ya seSamarina, a ba tiwa isihloko sezizwe, abendhlu ka Israeli beza ku bona.

2 Dhlulelani kulo iKalne ni bone, ni pume lapo ni ye kulo iHamati elikulu, neukele eGati labaFilisti, ba lungile ku nalemibuso ini; nomkaulo wabo mku-lu ku nomkaulo wenu na?

3 Nina e ni mukisa usuku olubi, ni sondeza isihlalo sokuhlupa.

4 Nina aba lala emibedeni yopondo lwendhlovu, a ba cambalala pezu kwamacansi abo, ba dhla izimvana zezimvu, namatole pakati kwesibaya.

5 A ba haya kuwo umsindo wogubu, ba ziqambela imisebenzi yokuhlabela njengoDavida.

6 A ba puza iwaini ngemikelo, ba zigo-ba ngamafuta a dhlulayo ngobumna-ndi, kepa a ba dabukeli ingozi ka Josefa.

7 Ngako manje ba ya kuya ekutu-njweni nabokuqala bokutunjwa, ko deda inxokozelo yabacambaleleyo.

8 iNkosi uJehova i fungile umpefumlo wayo, u tyo uJehova uTixo wamabandhla, Ngi ya nengwa ubuhle buka Jakobe ngi ya zonda nezinqaba zake, ngako ngo nikela umuzi nokugewala kwawo.

9 Ku ya kuti uma ku sele abantu aba ishumi endhlini enye, ba ya kufa.

10 Ko ti uyisekazi a m pate no m tyi-sayo ukupumisa amatambo endhlini, a tyo kuye o nga sendhlini, ukuti, u se kona kuwe na? Yena wo pendula, A kako, lapo u ya kuti, Tulake, ngokuba a si nge kumbuze ngegama lika Jehova.

11 Ngokuba bheka uJehova u ya yaleza, ko ti a tyaye indhlu enkulu ngezika-la, nendhlu encane ngezimfa.

12 Amahashi o gijima edwaleni na? umuntu wo lima kona ngezinkabi na? ngokuba ni pendulile ukwahlula ku be ubuti, nesitole sokulunga si be inhlu-ngunyembe.

13 Nina e ni jabula ngako o ku nge luto; e ni ti, A si ti, si zitabatele izimpondo ngamandhla etu na?

14 Ngokuba, bheka, ngo pakamisela

ngakini, Ndhlu ka Israeli, isizwe, u tyo uJehova uTixo wamabandhla, ba ya ku ni cindezela ku qale ekugeneni kweHamati, ku ze ku besemfuleni wehlane.

ISAHLUKO 7.

NJALO, iNkosi uJehova i ngi bonisile bhkekake, wa zenza izinkumbi eku-galeni kokumila kotyane obu semuva, bhkekake kwa ba kona ukuhluma emva koknsika kwenkosi.

2 Kwa ti se zi qedile ukudhla utyane bezwe, nga se ngi ti mina, Nkosi Jehova, yekela ngi ya kuncenga, ubani uJakobe, ukuba a me na? ngokuba mncane yena.

3 uJehova wa haukela ngenxa ya lo-ku, a ku yi ku ba kona u tyo uJehova.

4 Njalo iNkosi uJehova i ngi bonisile, bhkekake, iNkosi uJehova ya biza uku-lwa ngomlilo, wa ti wa dhla ulwandhle olukulu, wa dhla inxenye.

5 Nga se ngi ti, Nkosi Jehova, Yeka ngi ya kuncenga, ubani uJakobe ukuba a me na? ngokuba mncane yena.

6 uJehova wa haukela ngenxa yaloku, Naloku a ku yi ku ba kona, u tyo uJehova.

7 Njalo wa ngi bonisa, bhkekake, iNkosi yema pezu kodonga o lwakiwa ngentambo yokuhlela; i nentambo yokuhlela esandhleni sayo.

8 Wa se e ti kimi uJehova, U bonani Amosi na? nga ti mina, Intambo yokuhlela. Lapo iNkosi ya ti kimi, Bheka mina, ngi ya beka intambo yokuhlela pakati kwabantu bami, aba-Israeli, a ngi sa yi ku pinda uku ba dhlula.

9 Ko ti izindawo ezipakamileyo zika Isaka zi citeke nokuyingwele kwa se-Israeli ku hlakazwe; futi ngo vuka nga kuyo indhlu ka Jeroboamu ngenkamba.

10 Lapo uAmazia umteteleli wa seBeteli wa tuma kuJeroboamu iNkosi ya seIsraeli, e ti uAmosi u cebile nga kuwe pakati kwendhlu ya seIsraeli; izwe a li namandhla ukutwala onke amazwi ake.

11 Ngokuba njalo u tyo uAmosi, ukuti, uJeroboamu wo fa ngenkamba; futi uIsraeli wo tunjwa wa dediswe ezweni labo.

12 Futi uAmazia wa ti kuAmosi, Mazizi, hamba u balekele ezweni la seJuda, u dhle isinkwa kona lapo, wazise lapo.

13 Kodwa u nga pindi ukwazisa eBeteli, ngokuba li indawo engewele yenkosi, futi li umuzi wombuso lona.

14 Lapo uAmosi wa pendula wa ti ku-

Amazia, A ngi siye umazisi mina, a ngi si yo indodana yomazisi; ngokuba ngi ngumalusi, ngi umlimi wamakiwane futi.

15 Kwa ti uJehova wa ngi tabata ngi semva kwezinvu, wa ti kimi, Hamba wazise kubantu bami abaIsraeli.

16 Kalokuke yizwa izwi lika Jehova; Wena u ya tyo, U ngazisi nga kuIsraeli, u nga teli izwi nga kuyo indhlu ka Isaka.

17 Ngako njalo u tyo uJehova, umkako wo ba isifebe emzini, amadodana ako namadokakazi ako a ya kuwa ngenkamba, umhlabati wako, wo hlulwa ngenntambo; ko ti u fe wena ezweni elingelileyo; noIsraeli wo tunjwa belu ba de-diswe ezweni labo.

### ISAHLUKO 8.

**N**JALO iNkosi uJehova i ngi bonisile; N bhekake iqoma lamakiwane.

2 Wa se e ti, U bonani Amosi na? Nga ti mina, Iqoma lamakiwane. Lapo uJehova wa ti kimi, Ukupela ku fikile pezu kwabantu bami abaIsraeli; a ngi sa yi ku pinda uku ba dhlula.

3 Ku ya kuti nga lomhla ukuhlabelela kwetempeli ku kale, i tyo iNkosi uJehova; ko ba kona izidumbu eziningi ezindaweni zonke; zi lahlelwe ngokutula.

4 Yizwani loku nina e ni funa ukuminza abadingayo, nokucita abampofu bezwe.

5 Ni ti, Inyanga etwasayo yo dhlula nini, ukuze si tenge ngezikafu, nesabata ukuze si veze ukolweni, si ncipise iefa, si kulise ishekeli, si pambukise izikalo zenkohliso?

6 Ukuze si tenge abampofu ngesiliva, nabadingayo ngombanqa wezicatulo; ni tenge na ngamahlunge kakolweni?

7 uJehova u fungile ngobuhle buka Jakobe, impela a ngi yi ku kohlwana napakade noawodwa wemisebenzi yabo.

8 Izwe a li yi ku tutumela ngenxa yaloku, ba dabuke bonke ilo o hlezi kulo na? li ya kuvuka lona lonke njengomsinga; li ya kukuliswa li ewile njengomsinga wa sEgipite.

9 Ku ya kuti nga lomhla, i tyo iNkosi uJehova, ngo tyonisa ilanga emini, ngi nyamalalise izwe emini enkulu.

10 Ngo pendula amadili enu ekudabukeni, nokuhlabelela konke kwenu ku be igama lokulila, ngi veze pezu kwezinkalo zonke indwangu yokulila, na pe-

zu kwamakanda onke impandhla; ngi ya kwenza ku be njengokudabuka ngomntwana oyedwa, nokugeina kwako njengosuku olubabayo.

11 Bheka izinsuku zi yeza, i tyo iNkosi uJehova, e ngo tuma ngazo ukulamba ezweni, ku nga bi ukulambela isinkwa, nokomela amanzi, kepa ukuzwa izwi lika Jehova.

12 Ba ya kuti ba ndinde ku suke elwandhle; ku suke enyakato ku ze ku fike empumalanga, ba ya ku hambela nga lapa na nga lapa ukufuna izwi lika Jehova kepa a ba yi ku li fumana.

13 Nga lolosuku izintombi ezibukekayo, nezinsizwa zi ya kuba nesiyezi ngokoma.

14 Labo a ba funga isipambekiso sa seSamaria, a ba ti, Kupila kuka tixo wako Dani; nokuti, Kupila kwendhlela ya seBersheba; bona ba ya kuwa, ba nga ze ba vuka napakade.

### ISAHLUKO 9.

**N**GA bona iNkosi i mi pezu kwelati, N ya ti, Tyaya umnyango, zi zamazame izinsuku zawo; u zi fehlezele emakanda kubo bonke; ngo ti ngi bulale, abokupela babo ngenkamba; obalekayo wabo a ka yi ku sinda, nopunyukileyo wabo a ka yi ku zisindisa:

2 Nokuba be fohlela eSheoli, isandhla sami so ba kipa lapo; noma be kupukela ezulwini ngo belhlisa lapo.

3 Noma be zisita esihlokweni sa seKarmeli, ngo hlola ngi ba suse lapo, noma be sitekile pambi kwamehlo ami endaweni panshi kolwandhle, ngo yaleza inyoka i ba lume lapo.

4 Noma be ya ekutunjweni pambi kwezita zabo, ngo yaleza inkemba, i ba bulale lapo; ngo beka amehlo ami pezu kwabo ngokubi, ku nga bi ngokuhle.

5 Iyona iNkosi uJehova e namata izwe, li ya nebilika lona, nabahleziyo pakati kwalo bonke ba ya kudabuka; futi li ya kuvuka lonke njengomsinga, li ewile njengomsinga wa sEgipite.

6 Iyo e wakile amakanelo ake ezulwini, e senzile isiyinge pezu komhlabati; iyo e biza amanzi olwandhle e wa telela pezu kobuso bomhlabati: Igama lake li nguJehova.

7 A ni njengabantwana baka Kushi, kimi, nina bantwana baka Israeli na? u tyo uJehova, a ngi kupulanga abaIsraeli Egipite, nabaFilisti eKastori, nabaSiriya eKire na?

8 Bheka amehlo eNkosi uJehova a pezu kombuso onayo; Ko ti ngi wu bubise ebusweni bomhlaba; noko a ngi yi ku bubisa impela indhlu ka Jakobe, u tyo uJehova.

9 Ngokuba bheka mina ngo nyakazisa indhlu ka Israeli pakati kwezizwe zonke, njengaloku ukolweni u shukunyi-swa esihlengweni, noko a i yi ku wa emhlabeni inhlamvu.

10 Izeni zonke zabantu bami zi ya kufa ngenkamba, e zi ti, Okubi a ku yi ku si fikela, a ku yi ku wa kitina.

11 Ngalolosuku ngo misa itente lika Davida e li wile, futi ngo biya izikala zalo; ngo vusa nezincitakalo zalo, ngi lake njenga sezinsukwini zamandulo.

12 Ukuze ba tabate insalo ya seEdo-

mi, ne yezizwe zonke igama lami e la bizwa pezu kwazo, u tyo uJehova o kwenzayo loku.

13 Bheka, izinsuku zi yeza, u tyo uJehova, ngazo o limayo wo sondela kuye ovunayo, no nyatela izivini yena ohlwan-yela inrbeu, nemimango yonke yo nei-bilika.

14 Ngo ti ngi buyise ukutunjwa kwabantu bami abaIsraeli, bona ba ya kwaka imizi ecitekileyo, ba hlale kuyo; futi ba ya kutyala amasimu esivini ba puze iwaini lawo; ba ya kwenza namasimu ba dhle ukudhla kwawo.

15 Mina ngo ba tyala pezu komhlabati wabo, a ba yi ku sityulwa futi emhlabatini wabo e ngi ba nike wona, u tyo uJehova uTixo wako.

## INCWADI KA OBADIA.

### ISAHLUKO 1.

**I**SIBONISO sika Obadia. Njalo i tyo iNkosi uJehova kulo iEdomi; Si zwile imbiko i vele kuJehova, futi isigijimi si tunyiwe kuzo izizwe; si ti, Vukani, si vuke nga kulo ukulwa.

2 Bheka ngi kwenzile u be mnca-ne pakati kwezizwe, u delelwe kakulu wena.

3 Ukuzidhla kwenhliziyi yako ku ku kohlisile, wena o hlezi ezimfeni zama-wa, onhlaho yake i pakamile, o ti euhliziyweni yake, Ubani o wo ngehlisela emhlabatini na?

4 Nokuba u zipakamisa njengenqe, nokuba u beke indhlwana yako pakati kwezinkanyezi, ngo kwehlisa lapo, u tyo uJehova.

5 Uma amasela a fika kuwe, uma abapangi ebusuku, u citiwe kangaka! a ba yi kweba oku banelayo na? Uma abavuni besinwazi ba fika kuwe, a ba yi ku shiya inkotozo na?

6 Loku o kuka Esau ku hloliwe kangaka! izindawo ezisitekileyo zake zi fuusisiwe.

7 Bonke abantu bovumelwano lwako ba ku pumisile ecaleni; abantu aba be tula nawe ba ku kohlisile, ba kwahlulile; abadhli besinkwa sako ba bekile ishibe pansu kwako: A kuko ukuqonda kulo.

8 A ngi yi ku bubisa bonke abahlaka-

nipileyo eEdomi, nga lolosuku na? u tyo uJehova, nokuqonda entabeni ka Esau na?

9 Ko ti iziqwaga zako Temani zi dumale, ukuze ku nqunywe abantu entabeni ka Esau ngokubulala.

10 Ngenxa yokuhlupa kwako ngakuye umfo wenu uJakobe izinhloni zo ku sibekela, u ya kunqunywa ku ze ku be pakade.

11 Ngosuku wema ngalo, ngapambili, ngosuku abafu ba tumba amandhla ake ngalo, nabafikayo ba ngena emasangweni ake ba dhla iJerusalem ngenkato, wena kanti wa ba njengomunye wabo.

12 Kepa wena nga u nga bukanga ngosuku lomfo wenu, ngosuku lobufokozana bake, nga u nga jabulanga pezu kwamadodana aka Juda ngosuku loku-bujiswa kwawo, futi nga u nga ganganga ngosuku lwenkatazo.

13 Nga u nga ngenanga esangweni labantu bami ngosuku lwenhlupeko yabo, futi nga u nga bukanga ukoniwa kwabo ngosuku lwenhlupeko yabo, nga u nga bekanga isandhla pezu kwemfuyo yabo ngosuku lwenhlupeko yabo.

14 Futi nga u ngemanga ekupambane-ni kwezindhlehla ukunquma bona abapunyukileyo bake; futi nga u nga nikelanga abaseleyo bake ngosuku lwenhlupeko.

15 Ngokuba, usuku luka Jehova lu se-

duze pezu kwezizwe zonke; njengaloku wenzile wena, ku ya kwenziwa kuwe: impindiselo yako yo buyela ekanda lako.

16 Ngokuba njengaloku ni puzile entabeni yami eyingewe, ku njaloke izizwe zonke zi ya kupuza njalonzalo; zi ya kupuza zona, zi minze, zi be njengokuba za be zi nga ka biko.

17 Kepa entabeni iZioni ko ba kona inkululo, ko ba kona nobungewe; futi indhlu kaJakobe yo bamba izinxenye zabo.

18 Ko ti indhlu kaJakobe i be umlilo, nendhlu ka Josefa ilangabi, nendhlu ka Esau i be izibi, ba ya kupemba ku bo-

na, ba ba dhle; a ku yi ku ba kona oseleyo noyedwa kuyo indhlu ka Esau, ngokuba uJehova u tyilo.

19 Ko ti bona ba seningizimu ba benentaba ka Esau, nabo ba setafeni laba-Filisti; ba ya kuba nomhlabati wa se-Efraimi, nomhlabati wa seSamaria; futi uBenjamini wo ba nalo iGiladi.

20 Ku ya kuti ukutunjwa kwa labantwana baka Israeli li be nawo ama-Kanani ku ze ku fike eZarefati; futi ukutunjwa kwa seJerusalema o ku se-Sefaradi ko ba nemizi ya seningizimu.

21 Ko ti abasindisi ba ya kuza pezu kwentaba iZioni ukwahlula intaba ka Esau; futi umbuso wo ba oka Jehova.

## INCWADI KA JONA.

### ISAHLUKO 1.

**K**WA ti la ba kona izwi likaJehova kuye uJona indodana ka Anitai, li ti;

2 Suka u hambele eNineva lomuzi omkulu, u memeze nga kuwo; ngokuba okubi kwabo ku kupukele ebusweni bami.

3 Kanti uJona wa suka wa balekela eTarshishi, e deda ebusweni buka Jehova, weukela eJopa, wa fumana kona umkumbu o ya eTarshishi; wa koka inkokelo yawo, wa ngena kuwo, ukuya nabo eTarshishi e deda ebusweni buka Jehova.

4 Kwa ti uJehova wa tuma umoya omkulu kulo ulwandhle, futi kwa ku kona isipepo esikulu elwandhle; wa ti unkumbu wa ponsa ukufohlzwa.

5 Lapo abantu bolwandhle besaba, ba kalela ilomuntu kuye utixo wake, ba ponsela elwandhle impahla yabo e bi pakati komkumbu, ukwenza ku be lula ku bona. Kepa uJona wa e tyonile ngapakati komkumbu, wa lala e se nobutongo obukulu.

6 Lapo umbusi womkumbu wa sondele kuye, wa ti kuye, Wenzelani ukulala na? Vuka, u kalele kuye uTixo wako, mhlaumbe uTixo wo si kumbula, ukuba si nga bubu.

7 Ba se be ti ilo kumgane wake, wozani si ponse inkato si ze sazi ku ngenxa ka bani lobububi obu kitina; Lapo ba ponsa inkato, kwa ti inkato ya mu dhla uJona.

8 Labo ba ti kuye, si tyele si ya kuncenga, lobububi bu kitina ngani? umsebenzi wako u ini na? u velapi na? lipi izwe lako na? u ngo wa bapi abantu wena na?

9 Wa se e ti kubo, Ngi ngumHeberu mina; futi ngi yesaba uJehova, uTixo wezulu, o wenzile ulwandhle nomhlabati o womileyo.

10 Lapo lamadoda esaba kakulu, a ti kuye, Wenzeleni loku na? ngokubalamadoda azi ukuba wa e baleka ebusweni buka Jehova, ngokuba wa be e se ba tyelile.

11 Lapo a ti kuye, Si ngenzani kuwe ukuze ulwandhle lu tule kitina? ngokuba ulwandhle lwa kukumala lwa zamazamisa.

12 Lapo wa ti ku bona, Ngi pakamiseni ni ngi ponse elwandhle, ko ti ulwandhle lu tule kinina; ngokuba ngi yazi, ukuba ngenxa yami lesisipepo esikulu si pezu kwenu.

13 Noko lamadoda a gwedhla kakulu uku wu buyisela emhlabatini, kepa a be e nge kwenze, ngokuba ulwandhle lwa kukumala, lwa zamazamisa kuwo.

14 Ngako ba kala kuJehova, ba ti, Si ya kuncenga Jehova! Si ya kuncenga, ma si nga hubi ngenxa yompefumlo walomuntu, u nga beki pezu kwetu igazi eli nge nacala; ngokuba wena Jehova wenzile njengaloku okutandayo.

15 Lapo a pakamisa uJona, a m ponsa elwandhle, kwa ti, ulwandhle lwa peza ukuzamazamisa kwalo.



16 Lapo lamadoda a m esaba uJehova ngokwesaba okukulu, a nikela iminikelo, a funga izifungo.

17 Kepa uJehova wa misa inhlanzi enkulu uku m minza uJona, kwa ti, uJona wa e kona esiswini senhlanzi izinsuku ezintatu nobusuku obutatu.

### ISAHLUKO 2.

**L**APO uJona wa tandaza kuye uJehova uTixo wake e siswini senhlanzi.

2 Wa ti yena, Nga kala ekuhlupeneni kwami kuJehova, yena wa ngi pendula; esiswini sa seSheoli nga nxusa, wa li zwa izwi lami wena.

3 Ngokuba wa be u ngi ponsele ebudeni, enhliziyweni yolwandhle; umsinga wa ngi zungeza; onke amaza ako nezikukula zako za dhlulela pezu kwami.

4 Lapo nga ti, ngi lahlwi emehlweni ako; kodwa ngo pinda ukubheka kulo itempeli lako eli ingewele.

5 Amanzi a ngi zungeza, umpefumlo wami: ulwandhle lwa ngi haqa, izinhlanga za songwa ekanda kimi.

6 Ngehlela emikaulweni ezansi kwezintaba: umhlaba u nomvalo wawo wa wa sekuzungezeni kimi njalo; kepa u kupulile ubomi bami emgodini, Jehova Tixo wami.

7 Lapo umpefumlo wami wa u nesizeyi, nga m kumbula uJehova; wa ti umtandazo wami wa fika kuwe, etempelini eli ingewele lako.

8 Bona a ba naka oku ize kwamanga ba shiya ukuhaukelwa kwabo.

9 Kodwa ngo nikela kuwe ngezwi lokubonga; ngo koka loko e ngi ku fungileyo; ukusindiswa ku vela kuJehova.

10 Lapo uJehova wa kuluma kuyo inhlanzi, ya ti ya m hlanza uJona emhlabatini o womileyo.

### ISAHLUKO 3.

**L**APO la li kona izwi kuJona lesibili, u la ti;

2 Suka, u ye eNineva, lomuzi omkulu, u memeze kulo isimemezelo e nga ku tyela sona.

3 Lapo uJona wa suka wa ya eNineva, njeengezi lika Jehova; kepa iNineva la li umuzi omkulu impela, o nga hanjwa izinsuku ezintatu.

4 Kwa ti uJona wa qala ukungena emzini ngokuhamba kosuku lu lunye, wa memeza, wa ti, Ku se kona amasuku

amashumi amane, iNineva li ya kugumbuqelwa.

5 Njalo abantu ba seNineva ba kolwa kuTixo, ba biza ukuzila kokudhla. ba faka indwangu yokulila, ku qala kwabakulu ku fike kwabancane.

6 Ngokuba izwi la fiyelela kuyo inkosi ya seNineva, ya ti ya suka esihlalweni sobukosi bayo, ya susa ingubo yayo, yambata isaka, ya hlala pansil emloteni.

7 Ya yaleza, Ya ti kulo iNineva ngomyalo wenkosi, no wezikulu, u ti, Ma ku nga dhli luto umuntu nesilwane, nezinkomo, nezimvu, ma ku nga dhli ma ku nga puzi amanzi.

8 Kepa ma kwembatwe indwangu yokulila umuntu nesilwane, ma kale ngamandhla kuTixo; futi ma ba penduke ilo ngendhlela embi yake, na ngokonakalisa oku sezandhleri zabo.

9 Ubani o waziyo uma uTixo wo penduka a haukele, a buye ekuvuteni kolaka lwake, ukuze si nga bujiswa na?

10 Lapo uJehova wa bona imisebenzi yabo, ngokuba ba penduka ezindheleni ezimbi zabo; kwa ti uTixo wa haukela ngenxa yokubi o wa be e ti u ya kukwenzela bona, wa e nga kwenzi.

### ISAHLUKO 4.

**K**EPA kwa ku kubi kuJona inkatazo enkulu, wa tukutela yena.

2 Wa se e tandaza kuJehova, wa ti, Ngi ya kuneenga Jehova, lona la li ngesilo izwi lami ini, ngi se kona ezweni lami? Ngaloku nga tyetya ukubalekela eTarshishi; ngokuba nga be ngazi ukuba wena u nguTixo o nomusa, u ya haukela, u puze ukutukutela, u vame ubunene, u ya penduka kokubi.

3 Ngalokuke, Jehova, ngi ya ku neenga susa ukupila kwami; ngokuba kuhle ukuba ngi fe, ku nokuba ngi pile.

4 Lapo uJehova wa ti, Ku fanele u tukutele na?

5 Lapo uJona wa puma emzini, wa hlala ngasempumalanga komuzi, na lapo wa zenzela idokodo, wa hlala pansil kwalo etunzini lalo, a ze a bone ukuba ku ya kuba njani kuwo umuzi.

6 Kwa ti uJehova wa misa umhlakuva u pakame pezu kuka Jona, u be itunzi pezu kwekanda lake, uku m ku-

lula kuyo inkatazo yake. Lapo uJona wa jabula ngomhlakuva ngokujabula okukulu.

7 Kefa uTixo wa misa impehlwa ekuveleni kokusa ngomso, ya pehla umhlabu wa za wa buna.

8 Kwa ti ekupumeni kwelanga, uTixo wa misa umoya otulayo wa sempumalanga; la ti ilanga la tyaya ekanda lika Jona, wa ba nesiyezi, wa fisa ukufa empefumlweni wake, wa ti, Kuhle kini ukufa ku nokupila.

9 Lapo uJehova wa ti kuJona, Ku

fanele u tukutele ngenxa yomhlakuvana? Yena wa ti, Ku fanele ngi tukutele ku ze ku be sekufeni.

10 Lapo uJehova wa ti, Wena u be nomusa pezu komhlakuva o nga sebenzanga kuwo, o nga hlumisanga; o wa kula ngobusuku, wa bubu u isilimo sobusuku.

11 A ngi yi ku haukela iNineva umuzi omkulu, o ku kona kuwo o ku dhlula izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili zabantu a ba nga qiki pakati kwesandhla sokunene nesokohlo, ku kona nezinkomo eziningi na?

## INCWADI KA MIKA.

### ISAHLUKO 1.

**I**ZWI lika Jehova e li be kuye uMika uMorashti ngezinsuku zika Jotami, noAhazi, noHezekia amakosi a seJuda, o wa li bona ngeSamarina ne erusalema.

2 Yizwani, Bantu nonke; lalela, Lizwe, nokugwala kwako: Ku ya kuti iNkosi uJehova i be ufakazi nga kini; iNkosi i setempelini lake eli ingewe.

3 Ngokuba uJehova u ya puma endaweni yake, Yena u ya kweuka, a nyatele pezu kwezindawo ezipakamileyo zezwe.

4 Ko ti izintaba zi neibilike pansi kwake, nezigodi zi datyulwe, njengengeino pambi komlilo, njengamanzi a telwa pansi eliweni.

5 Loku konke ku ngenxa yokupambeka kuka Jakobe, na ngenxa yokona kwendhlu ya seIsraeli. Ku yini ukupambeka kuka Jakobe? a silo iSamarina na? Zi yini izindawo ezipakamileyo zika Juda? a silo iJerusalem na?

6 Ngako ngi ya kwenza iSamarina li be incwaba yomhlabati, li be ukutyalwa kwamasimu esinwazi: ngo tela pansi esigidini amatye alo, ngi zibukule nezisekelo zalo.

7 Ku ya kuti imifanekiso yalo ebaziweyo yonke i fohlozwe, nemivuzo yalo yonke i tyiswe emlilweni, nezitombe zonke zalo ngo zi citakalisa: ngokuba li yi butile ngomvuzo wesipingi, yo buyela nasenvuzweni wesipingi.

8 Nga loku ngo lila, ngi kale; ngo ya ngi hlubulwe ngi hambaze: ngi ya kwenza isililo njengamankentyane, ngi kale njengezikova.

9 Ngokuba ukulinyazwa kwalo a ku

nge poliswe; ngokuba ku zile kulo iJuda; ku finyelele kulo isango labantu bami, kulo iJerusalem.

10 Ma ni nga ku tyeli eGati, ma ni nga lili nakanye; endhlini ya seAfra ma u buquze otulini.

11 Dhlulclani nina e ni hlezi eShaferi ni hlubulwe ni sehlanzweni: o hlezi eZanani a ka pumanga esililweni sa seBeth-ezeli; u ya kwamkela kini ukuma kwake.

12 Kefa ohlezi eMaroti wa fisa okuhle: kepa kwa vela kuJehova kwehlela esangweni la seJerusalem.

13 Wena o hlezi eLakishi bopa incwale ehashini e li nejubane: lona li inbhloko yesono kuyo indodakazi ya seZioni; ngokuba izipambeko za seIsraeli za funyanwa kuwe.

14 Ngako wo zi pa izipiwo kuMoresheti-Gati: izindhlu za seAkzibi zo ba inkohliso kuwo amakosi a seIsraeli.

15 Noko ngo zisa kuwe umudhli wefa, Wena o hlezi eMaresha; u ya kuza kuAdulamu u ukukazimla kwa se-Israeli.

16 Zenze u be impandhla, u pucule ngenxa yabantwana bokwenama kwako; Yenza impandhla yako i be nkulu njengokozi; ngokuba ba tunjiwe kuwe.

### ISAHLUKO 2.

**A**U ku bona aba cabanga ukonakala, A be sebenza ukubi ezinkukweni zabo; ekukanyeni kokusa be kwenza, ngokuba ku semandhleni esandhla sabo.

2 Ba ti ba fisa imihlabati, ba yi panganga; nezindhlu ba zi tabata; njalo ba

ya yamuka indoda nendhlu yayo, umuntu nenzuzo yake.

3 Ngaloku uJehova, u tyo ukuti bheka mina ngi ya cabanga okubi pezu kwa lomndeni, e ni nga yi ku kipa izintamo zenu kuko; ni nga bi ni hamba ngokuzidhla ngokuba isikati lesi sibi.

4 Nga lolosuku umuntu wo pata isikulumo ngakini, a lile ngezwi lokulila, e ti, Si citakele ngokuciteka; u pambanisi- sile inxeny yabantu bami; yeka u yi susile kimi! e zifulatela u yi hlukanisile imihlabati yetu.

5 Ngako a ku yi ku ba kuwe o beka intambo ngenkato emhlanganweni ka Jehova.

6 Ni ngazisa njengabo abazisayo; a ba yi kwazisa ku laba, a ka zo muka emahlaweni.

7 Wena o tiwa indhlu ya kwa Jakobe, uMoya ka Jehova u sinyezwe ini? i yimisebenzi yake lena na? amazwi ami a ka m sizi o qonda ekuhambeni na?

8 Kepa kade abantu bami ba vuka njengesita: ni hlubula ingubo ekwambateni kubo abadhululayo ngokweta- mba, be yekile ukulwa.

9 Abafazi babantu bami ni ba xotyile ezindhlini ezitandiweyo zabo; ni susile ukukazimula kwami kubantwana babo ku ze ku be pakade.

10 Vukani ni pume, ngokuba lendawo a siyo ukupumula kwenu: ngenxa yokubi i ngecolile, i ya ku ni cita ngokucita okusabekayo.

11 Nxa umuntu e hamba jengomoya na senkohlsweni a qambe amanga e ti ngo azisa kuwe ngewaini na ngokupuza oku namandhla; yena wo ba umazisi kulababantu.

12 Ngo ku hlanganisa isibili Jakobe ukupela kwako; ngo buta ngokubuta abensalo ba kwa Israeli; ngo ba beka kanye njengezimvu eBozra, njengomhlambi edhlelweni lawo: ba zo hloko- na ngabantu.

13 Odabulayo u kupukile pambi kwabo: ba dabulile, ba dhulelele esangweni, futi ba pumile kulo: yo dhulelela pambi kwabo nenkosi yabo, noJehova ekanda kubo.

### ISAHLUKO 3.

L APO nga ti, yizwani pela, Nina Zinhloko za seJakobe, nani Bahluli bendhlu ya seIsraeli. A siko okwenu ukwazi ukwahlula na?

2 E ni zonda okulungileyo, ni tanda

okubi; ni hlubula isikumba sabo kubo, nyenya yabo ematanjeni abo;

3 E ni dhla inyama yabantu bami, nesikumba sabo ni si hlinza kubo; ni wapula amatambo abo, ni wa qobe njengaloku oku lungiselwe ukamba, na njengeniyama pakati kwembiza.

4 Lapo ba zo kala kuJehova, kepa a ka yi ku lalela ku bona: kepa wo sita ubuso bake kubo nga lesosikati, ngenxa yokuba bonakele ekwenzeni kwabo.

5 Njalo u tyo uJehova kubo abazisi a bedukisa abantu bami, aba luma ngamazinyo abo, futi ba memeza, Inhlalo enhle; kanti yena o nga nikeli emlonyeni wabo, ba m lungisela ukulwa.

6 Ngako ko ba kini ubusuku, ku nga bi ko isibonakalo; nobumnyama kini ku nga biko ukubula, ko ti ilanga li tyone kubo abazisi, nemini i nyamalale pezu kwabo.

7 Lapo abazisi ba ya kujaba, nababulayo ba zo dumala, ba sibekela izindebe zabo ngokuba a kuko ukupendulwa oku vele kuTixo.

8 Kepake ngi gwele amandhla ngawo umoya ka Jehova, na ngokwahlula, na ngobuqawe ukushumayela kuJakobe ukupambeka kwake, na kuIsraeli ukona kwake.

9 Yizwani pela loku, Nina zinhloko zendhlu ka Jakobe, nani bahluli bendhlu ya seIsraeli, e ni nengisa ukwahlula, e ni pambukisa ukuqonda konke.

10 Ba ya laka iZioni ngezingazi, neJerusalema ngokonakalisa.

11 Izinhloko zalo zi yahlula ngomvuzo, nabateteleli ba ya fundisa ngenkoko, nabazisi ba ya bula ngemali, beneika pezu kuka Jehova, be ti, uJehova a kako pakati kwetu na? okubi a ku yi ku si fikela.

12 Ngako ngenxa yenu iZioni li ya kulinywa njengomhlabati olinywayo, futi iJerusalema li zo ba amanxiwa, nentaba yendhlu njengezindawo ezipakamileyo zehlati.

### ISAHLUKO 4.

K U ya kuti ngezinsuku ezilandelayo intaba yendhlu ka Jehova i ya kuqiniswa esihlokweni sezintaba, Yona i zo pakama ku nezintaba; ko ti ba hambele kuyo abantu.

2 Futi izizwe eziningi zi ya kuza, zi tyo ukuti, Zanini si kupukele entabeni ka Jehova, kuyo indhlu ka Tixo ka

Jakobe; Yena wo si fundisa ngezindhlela zake, tina si ya kuhamba emikondweni yake: ngokuba umfeto wo puma kulo iZioni, nezwi lika Jehova kulo iJerusalema.

3 Ko ti a bahlule abantu abaningi, a lungise izizwe ezi namandhla ezi kude; ku ya kuti ba kande izinkemba zabo zi be amageja, nemikonto yabo i be imimese yokugenca: isizwe a si yi ku pakamisela isizwe inkemba, ba nge be be sa funda ukulwa futi.

4 Kepa ba ya kuhlala ilomuntu pansi kwevini lake, na pansi komkiwane wake; ku ngeko otusayo, ngokuba umlomo ka Jehova wamabandhla u ku kulumile.

5 Ngokuba abantu bonke ba ya kuhamba ilomuntu ngegama lesitixo sake; kepa tina so hamba ngegama lika Jehova uTixo wetu ku ze ku be pakade napakade.

6 Nga lolosuku u tyo uJehova ngo m buta oqukayo, ngi hlanganise yena oxotiyewo, naye e ngi m hlupileyo.

7 Futi ngo beka yena oqukayo a be insalo, naye o lahlelwe kude a be isizwe esi namandhla; ko ti uJehova a buse pezu kwabo entabeni iZioni kwa kaloku ku ze ku be pakade.

8 Kepa wena, Nqaba yomhlambi, nkalo lwendodakazi ya seZioni ko fika kuwe, yebo ukubusa kokuqala ku ya kuza, ku ti umbuso kuyo indodakazi ya seJerusalema.

9 Kaloku u kalelani ngokumemeza na? a yiko inkosi kuwe? umyali wako u bubile na? ngokuba ubuhlungu bu ku bambile njengobeletayo.

10 Yiba nobuhlungu, u pumule Ndadakazi ya seZioni, njengobeletayo; ngokuba kaloku wo puma emzini, u hlale endhle, wo ya pela eBabulona; lapo wo sindiswa; lapo uJehova wo ku hlaulela esandhleni sabazondi bako.

11 Kalokuke izizwe eziningi zi hlanganise nga kuwe, e zi ti, Ma i ngoelise, amelilo etu a beke, pezu kweZioni.

12 Kepa zona a zi yazi imicabango ka Jehova, a zi qondi amacebo ake: ngokuba wo zi buta njengezinyanda esibuyeni.

13 Vuka u bule, Ndadakazi ya seZioni: ngokuba ngo beka upondo lwaloku lu be insimbi, nezinselo zako ngo zi beka zi be itusi; wena wo fohloza izizwe eziningi: ngo hlukanisela uJe-

hova ukupangwa kwabo, nengecho yabo kuyo iNkosi yomhlaba wonke.

ISAHLUKO 5.

**K**ALOKU zibute empini, Ndadakazi yempi: yena u 'bekile ukuvimbezela ngakiti: bo tyaya umahluli wa se-Israeli ngenduku esihlatini.

2 Kepa wena Betlehema Efrata o naba incozana pakati kwabaizinkulungwane ba se-Israeli, wo puma kuwe e ze kimi yena o ya kuba umbusi e-Israeli; okupuma kwake ku be o kwa sendulweni kwa senihleni ya pakade.

3 Ngako wo ba nikela ku ze ku be isikati a zale ngaso yena o beletayo: lapo insalo yabafo babo yo buyela emadodaneni a kwa Israeli.

4 Ko ti e me a hole emandhleni kaJehova, na sebukosini begama lika Jehova uTixo wake; bona ba zo hlala: ngokuba ku lesisikati yena wo ba mkulu ku ze ku na semikaulweni womhlaba.

5 Ku ya kuti lo a be ukuhlalisa kahle, lapo umAshuri e ngena ezweni letu, na lapo e nyatela ezinqabeni zetu, tina so vusela nga kubo abaholi aba isikombisa, nabageotiyewo babantu aba shiyagalombili.

6 Bona ba ya kudhla izwe la seAshuri ngenkemba, nezwe la seNimrodi emasingweni alo: ko ti a si sindise kuAshuri lapo e ngena ezweni letu, na lapo e nyatela emacaleni etu.

7 Ko ti insalo ka Jakobe i be pakati kwabantu abaningi njengombete o vele kuJehova, njengezihlambi pezu kotyani ezi nga hlaleli umuntu, e zi nga libali ngenxa yamadodana omuntu.

8 Ku ya kuti insalo ka Jakobe i be ezizweni pakati kwabantu abaningi nje-ngebubesi pakati kwezilwane zehlali, njengengonyama entya pakati kwemihlambi yezimvu; yona nxa i dabulayo i ya nyatela pansi kanye, i dwebule, ku ngeko o sindisayo.

9 Isandhla sako si ya kupakanyiswa pezu kwezita zako, ko ti abazondi bako bonke ba nqunywe.

10 Ku ya kuti nga lomhla, u tyo uJehova, ukuba ngi nqume amahashi ako pakati kwako, ngi cite nezincwele zako:

11 Futi ngo nquma imizi yezwe lako, ngi dilize izingaba zako zonke:

12 Futi ngo nquma ukutakata esandhleni sako; a zi yi ku ba kuwe nezanusu:

13 Imifanekiso yako ebaziweyo ngo yi nquma, nezitombe zako pakati kwako; a u sa yi ku kotama kuwo umsebenzi wezandhla zako.

14 Ngo ti ngi domule izinsika zako ezi izitombe pakati kwako: njalo ngo cita imizi yako.

15 Mina ngi ya kwenza impindiselo ngolaka na ngokuvuta kuzo izizwe, e zi nga yi zwanga.

ISAHLUKO 6.

**Y**IZWANI manje loku uJehova a ku tyoyo; Vuka u pike kuzo izintaba, imimango ma i zwe izwi lako.

2 Yizwani, Nina zintaba ukupika kuka Jehova, nani zisekelo zomhlaba: ngokuba uJehova u nokupikisana nabantu bake, yena wo lungisana naba-Israeli.

3 Bantu bami, ngenzeni kuwe na? ngi ku katazile ngani na? ngi pendule.

4 Ngokuba ngi ku kupulile ezweni la sEgipite, ngi ku kululile endhlini yezincku; ngi ti ngi tunile pambi kwako oMosi, noAroni, noMiriamu.

5 Bantu bami, kumbulani manje loku o wa ku ceba uBalaki inkosi ya seMoaabi, na loku o wa ku pendula kuye uBalimi indodana ka Beori ku qale eShitimu ku fike eGilgali; ukuze naze ukulungu kuka Jehova

6 Ng i ya kuza pambi kuka Jehova ngi peteni, ngi kotame kuTixo opakamileyo na? nga ngi ze pambi kwake ngi neminikelo yokutyiswa, namatole annyaka munye?

7 uJehova wo tokoza ezinkulungwaneni ezi ishumi zemifula yamafuta na? ngo nika izibulo lami ngesipambeko sami, inzalo yesisu sami ngesono sompefumlo wami na?

8 U ku bonisile, Muntu, loku okulungileyo; uJehova u bizani pela kuwe, ku nga bi ukwenza ukwahlula, nokutanda umusa, nokuzehlisa u hambe noTixo wako na?

9 Izwi lika Jehova li ya memeza kuwo umuzi, o nengqondo wo bona igama lako: yizwani intonga, naye o yi bekileyo.

10 U se kona umuntu wendhlu embi o nengebo yobubi, nendinganiso encane etukiweyo na?

11 Ng i ya kuti ba hlanzekile aba nezilinganiso zobubi, nesikwama samatye enkohliso na?

12 Ngokuba abacebileyo bayo ba

gewele unya, nabahleziyo bayo ba kulumile amanga; nolimi lwabo lu nenkohliso emlonyeni wabo.

13 Ngako pela ngo ku gulisa ngoku ku tyaya, ngoku ku citakalisa ngenxa yezono zako.

14 Wena u ya kudhla, kepa a u yi ku suta; futi ukulaniba kwako ko ba ezibilinini zako; wo kweza a u yi ku sindisa; na loku o ku sindisayo ngo ku nikelana enkembeni.

15 Wena u ya kuhlwaneyela, kanti a u yi ku vuna; wena wo nyatela imihlwati, kanti a u yi ku gcoba amafuta; newaini elitya kanti a u yi ku puza iwaini.

16 Ngokuba izimiso zika Omri zi ya geinwa, nezenzo zonke zabendhlu ka Ahabi, futi ni ya hamba emiyalweni yabo; ukuze ngi ku nikelane ekucitakaleni, nabahleziyo balo izwe encifeni; ngako ni ya kupata ihlazo labantu bami.

ISAHLUKO 7.

**A**U kumina! ngokuba ngi rjengokuvunwa kwamakiwane ehlobo, ngengekubutwa kwezinzazi; si ngeko isihleke sokudhliwa: umpefumlo wami u ya fisa ulibo lwamakiwane.

2 Omnene u bubile emhlabeni; a muko noqoto ebantwini; bonke ba ya camela igazi, ba ya tiya ilomuntu umfo wabo ngeneta.

3 Izandhla zozibili zi ya kulalela okubi; isikulu si ya celela, nomahluli u ya celela inkokelo; naye omkulu u ya kuluma ukufisa kompefumlo wake: ku njalo ba ya kwalukanisa.

4 Abahle babo ba njengeva, oqoto u hlaba ku nameva enileyo; usuku lwabalindi bako, nolokubukwa kwako lu yeza; kaloku ko ba kona ukukataze ka kwabo.

5 Ni nga kolwa kuye umgane, ni nga tembi emhlotyeni: geina iminyango yomlomo wako kuye umfazi olalayo esifubeni sako.

6 Ngokuba indodana i ya hlazisa uyise, indodakazi i ya vukela unina, umalukazana a vukela uninazala; abazondi bomuntu ba ngabantu bendhlu yake.

7 Kepa mina ngo bhaka kuJehova; ngo hlalela uTixo umSindisi wami: uTixo wami wo ngi zwa.

8 U ngetabi pezu kwami, Sita sami; nxa ngi wa pansa, ngi ya kuvuka; nxa ngi hlezi ebumnyameni, uJehova u ngukukanya kimi.

9 Ngo twala ulaka luka Jehova, ngokuba ngi m onile, a ze a pike ukupika kwami, a ngenzele ukwahlula: wo ngi pumisela ekukanyeni, ngo bona ukulungwa kwake.

10 Lapo isita sami so bona, ko ti ukujaba ku si sibekela, e si be si tyo kimi, ukuti, U pi yena uJehova uTixo wako na? amehlo ami o si bona: kaloku si ya kunyatelwa pansi njengodaka lwezindhlela.

11 Ngosuku lokwaka izindonga zako, ngalolosuku isiyalezelo so suka.

12 Ngalolosuku yena u ya kuza kuwe o suke eAshuri, na semizini ebiyiweyo, o suke futi enqabeni na semfuleni, naselwandhle ku suke elwandhle, na sentabeni ku ze ku be sentabeni.

13 Noko izwe li ya kuba incitakalo ngenxa yabo aba hlezi kulo, ngaso isite-lo sokwenza kwabo.

14 Funza abantu bako ngodondolo lwako, izimvu zokuzuza kwako e zi hlezi zodwa ehlatini, ngapakati kweKarme-

li: ma zi dhle eBashane na seGiladi njenga sezinsukwini zamandulo.

15 Njenga semihleni yokupuma kwako ezweni la sEgipite ngo ba bonisa imimangaliso.

16 Izizwe zo bona zi jabe emandhleni onke azo: ba zo beka isandhla emlonyeni, izindhlebe zazo zo ba butuntu.

17 Zo kota utuli njengenyoka; nje-ngezikasayo zomhlaba zo zamazama ekuvalekeni kwazo; ba ya kututumela ngaye uJehova uTixo wetu, besabe ngawe.

18 Ubani o uguTixo njengawe o susa isono, o dhlulela esipambekweni sabensalo yokuzuzwa kwake? a ka gcini ulaka lwake ku ze ku be pakade, ngokuba u ya tokoza emuseni yena.

19 Wo penduka, wo si haukela; wo nyatela pansi izipambeko zetu; Wena wo ponsa zonke izono zabo ebudeni bolwandhle.

20 Wo nika iqiniso kuJakobe, nomusa kuAbrahama, o fungile kubo obaba betu emihleni ya sendulo.

## INCWADI KA NAHUME.

### ISAHLUKO 1.

**I** NKULUMO ngoNineva. Incwadi yesibonakalo sika Nahume umElkoshi.

2 uTixo u nomona; uJehova u ya pindisela; uJehova u pindisela, e vuta ngolaka; uJehova u pindisela kuzo izita zake, futi wo gcinela abazondi bake impindiselo.

3 uJehova u libala ukutukutela, u namandhla amakulu, a ka yi ku yekela ngokuyekela: uJehova u nendhlela yake esivunguvungwini, na sesipe-pweni; amafu a ngutuli lwezinyawo zake.

4 U ya kuza ulwandhle e lomisa, u yomisa nemifula yonke: uBashane u ya buna, noKarmeli, nembali ya seLebanoni i ya buna.

5 Izintaba zi ya zamazama ngaye, nemimango i ya ncibilika, ku ti umhlaba u ya pakanyiswa ebusweni bake, yebo, izwe nabo bonke abahlezi kulo.

6 Ubani o ngema pambi kwentakutelo yake, ubani o nga vuka ekuvuteni kolaka lwake na? intukutelo yake i ya telwa njengomlilo, amatye a ya wiswa pausi nguye.

7 uJehova u lungile, u inqaba ngosuku lwenhlupeko; futi u ya bazi ababalekayo be ya kuye.

8 Kepa ngomsinga odhlulayo u ya kwenza ukuqeda kwendawo yayo intukutelo, futi ubumnyama bo landela abazondi bake.

9 Ni cebani nga kuye uJehova na? Yena u ya kwenza ukuqeda: uhlupeko a lu yi ku vuka kabili.

10 Ngokuba lapo ba ya kwalukana njengameva, na lapo be dakiwe njengesidakwa, ba ya dhliwa njengezibi ezomileyo impela.

11 U pumile kuwe o ceba okubi ngakuye uJehova, umyali ka Beliali.

12 Njalo u tyo uJehova ukuti, Ngokuba ba pelele, na ngako ba ngabaningi, ba ya kusikwa pansi noko, ba fe. Ngokuba ngi ku hlupile, a ngi sa yi ku ku hlupa.

13 Kaloku pela ngo yapula intonga yake i nga bi pezu kwako, ngi dabule izibopo zako.

14 Futi uJehova u yalezile ngawe, ukuba, a ku yi ku hlwanyelwa futi kulo igama lako; ngo nquma endhlini yezi-

tixo zako isitombe esibaziweyo, nesitombe esincibilikisiweyo: ngo beka ituna lako ngokuba u delekile.

15 Bheka pezu kwezitaba izinyawo zojabulisayo ngezindaba, zoshumayela ukutula! Juda gcina amadili ako, pelalisa izifungo zako: ngokuba uBeliali a ka sa yi ku pinda ukudabula pezu kwako; u nqunyiwe impela yena.

## ISAHLUKO 2.

**O**CITAYO u kupukile pambi kobuso bako, ukugeina inqaba; linda indhlela, qinisa izinkalo zako, qinisa amandhla ako kakulu.

2 Ngokuba uJehova u buyisile ukupakama kwa seJakobe, njengokupakama kwa seIsraeli: ngokuba abatutulayo ba ba tululile, ba bulalile amahlamvu ezinwazi zabo.

3 Isihlangu samaqawe ake si guqu-lwe sa ba bomvu, amadoda a iziqwaga ambete okubomvu: izinewele zi noku-cwazimula kwezinkemba ngosuku lokulungisa kwake, ko ti imikonto i zanyazanyiswe.

4 Izinewele zo hlanya ezindhleleni, zo hambahamba emendweni ebanzi; ukubonakala kwazo ko ba njengezibane, zi gijima njengemibane.

5 Wo kumbula izikulu zake: zi zo kubeka ekuhambeni kwazo; zo tyetyela ezindongeni zayo, isibekelo si zo lungiselwa.

6 Amasango emifula a ya kuvulelwa, indhlu enkulu i ya kudilizwa.

7 Ko ti uHuzabi wo zibukulwa, wo kutyulwa, nezincekukazi zawo zi bubula njengezwi lamajuba a beta pezu kwezifuba zawo.

8 Kepa uNivea u njengecibi lamanzi kwa semihleni yamandulo: noko ba zo baleka, be ti, Yimani, yimani, ku ngeko o bheka emuva kodwa.

9 Pangani isiliva, pangani igolide, kepa a kuko ukukaula kwengebo, nokukazimula kuzo zonke izimpahla ezifunekayo.

10 U ize, u tululile, u citekile, futi inhliziyo i ya nebilika, amadolo a ya xega, ukututumela ku sezinkalweni zonke, imibuso yonke i ya zuza ukuvuta.

11 Ipi inhlalo yezingonyama, nayo indawo yokudhla yezingonyama ezintya, lapo ingonyama e ibubesi elibodhlayo li zihambela kona, neundhlu lengonyama, ku ngeko o zetusayo?

12 Ingonyama i ya dwengulela okwa-

nele amaundhlu ayo, i pindisela izingonyamakazi zayo, i gwalise imigodi yayo okudatyuliweyo, nezinhlalo zayo okwapuliweyo.

13 Bheka ngi nga kuwe, u tyo uJehova wamabandhla, ngo ti ngi tyise izinewele zawo emuseni, futi inkemba i ya kudhla izingonyama ezintya zako: ngo nquma nempango yako emhlabeni, a li sa yi ku zwiwa pela izwi lezitunywa zako.

## ISAHLUKO 3.

**M**AYE kumuzi wezingazi! u gewele inkohliso nokwamuka; a u dedi empangeni.

2 Umsindo wesiswepu, nomsindo wokuzamazisa kwamasondo, nokuzungeleza kwamahashi, nezinewele ezeqayo.

3 Abakwile ehashini ba ya pakamisa inkemba ecwazimlayo, nonkonto okazimulayo futi baningi abahlatyiweyo, zi vamile izibili zabafileyo, a kuko nokukaula kwezidumbu, ba ya kubeka ezidumbwini zabo.

4 Ngokuvama kokupinga kompingikazi obukekayo, umnikazi wokutakata, o tengisa ngezizwe ngokupinga kwake, nemindeni ngokutakata kwake.

5 Bheka, Ngi nga kuwe, u tyo uJehova wamabandhla; ngi ya kuti ngi zibukule izambato zako ebusweni bako, ngi bonise izizwe ubunqunu bako, nemibuso ihlazo lako.

6 Ngo ponsa pezu kwako okunengiweyo, ngi ku hlazise, ngi ku beke u be njengombonelo.

7 Ku ya kuti pela ukuba bonke aba ku bonayo, ba baleke kuwe, be ti, uNivea u citekile: ubani wo wu haukela? ngo ba funelapi wena abaduduzi na?

8 U lungile wena ku noNo-Amoui yini, o be u hlezi ngasemifuleni u pahlwa amanzi, okubiyelwa kwawo kwa ku ngulwandhle nodonga lwawo lwa ba selwandhle?

9 Amandhla awo a be uKushi noEgipite, futi ukukala kwawo kwa ku ngeko; abasizayo bako ba be uPuti noLubimi.

10 Wona nawo u hambile u dedela ekutunjweni, futi abantwana bawo ba fohlozwa esihlokwani kuzo zonke izindhlela; ba ti ba ponsela abadumileyo bako ngenkato, futi izikulu zonke zako za botywa ngamaketanga.

11 Wena u ya dakwa; u zo siteka; futi wo funa indawo ebiyiweyo ngabo abazondi.

12 Izingqaba zako zonke zi njengemiti yomkiwane i namakiwane a vutiwe kuqala: uma a zamaziswa a ya kuwela na semlonyeni wodhlayo.

13 Bheka abantu bako ba izifazana pakati kwako: amasango ezwe lako a vulelwe kakulu kuzo izita zako; umlilo u dhlile imivalo yako.

14 Ma u zakele amanzi a be a okubiyela, qinisa izingqaba zako, ngena ebumbeni, u xove udaka, wake incwaba yesitini yokutyiswa.

15 Lapo umlilo wo ku dhla wena, inkemba yo ku nquma, yo ku dhla njengezinkasa; ma u zandise njengezinkasa, u zandise njengezinkumbi.

16 Wena wandisile abatengi bako nje-

ngezinkanyezi zezulu: isikonyana si zidlhela, zi buye si ndize.

17 Abahlobileyo bako ba njengezinkumbi, ababusi bako ba njengesikonyana esihlezi odongeni ngosuku olu makaza, kepa ilanga li puma, si ya suka, a yaziwa indawo yaso lapo si kona.

18 Abalusi bako ba lele, Nkosi ya se Ashuri, izikulu zako zo hlala otulini; abantu bako ba ya hlakazeka ezintabeni, a kuko no ba butayo.

19 A kuko ukupolisa ukucobozwa kwako, ukugalelwa kwako ku buhlungu: bonke a bezwa indaba yako ba zo tyaya izandhla pezu kwako ngokuba pezu ku kabani ukonakala kwako a ku dhlulelanga njalo na?

## INCWADI KA HABAKUKI.

### ISAHLUKO 1.

**O**KUNZIMA o kwa bonayo uHabakuki umazisi.

2 Ko ze ku be nini Jehova ngi nce-nge na ngezwa! ko ze ku be nini ngi kala kuwe ngenxa yohlupo u nga sindisi na?

3 Yini u ngi bonise ukonakala, yina u buke nje enkatazweni, yini ukuba ukucitwa nohlupo ku kona pambi kwami na? u kona futi o vusa inkani nokupika.

4 Ngenxa yaloku umteto u ya libala, nokwahlula a ku pumeli nakanye: ngokuba omubi u ya m haqa olungileyo, ngako ukwahlula okupambukileyo ku ya pumela.

5 Bonani nina e ni pakati kwezizwe, ni nake, ni mangale ngokudumala: ngokuba ngo sebenza umsebenzi ezinsukwini zenu e ni nga yi ku wu kowla noko ni tyelwa wona.

6 Ngokuba bheka, mina ngi vusa abakaldi isizwe esibabayo esityetyayo, e so hambela ebubauzini bezwe, ba bambe izinhlalo e zi ngesizo ezabo.

7 Si ya sabeka si vuta sona; ukwahlulela kwaso nokupakama kwaso ku ya pumela ku sona.

8 Amahashi aso a nejubane ku nezingwe, a haha ku nezimpisi zokuhlwa: abakweli baso behashi ba ya zihlukanisa, abakweli baso bo vela kude; bo ndiza njengenge eli tyetyela ukudhla.

9 Si ya kufikela sonke si uhlupo; ukubutana kobuso babo ku komba pambili, si zo buta abatunjwa njengezihlabati.

10 Sona si ya kuhleka amakosi, nabadumileyo bo ba isihlekiso kuso: so hlekisa zonke izindawo ezibiyiweyo; ngokuba so qonga umihlabati, si zi bambe.

11 Lapo umoya waso u ya kudhlulela, si dabulele, si pambeke, si ti lawa amandhla aso a vele esitixweni saso.

12 A u siye o wapakade, wena Jehova Tixo wami, Oyingewele wami na? a si yi ku fa. Jehova u bekele sona ukwahlulwa; wena Dwala u misele sona ukulungiswa.

13 Wena u sile emehlweni ku noku-bheka okubi, u nge buke enkatazweni: yini u buka nje pezu kwabo abakohlisayo, u tule nxa omubi u minza umuntu olungile kunaye na?

14 U ya benza abantu ba be njengezinhlanzi zolwandhle, njengezilwane ezikasayo e zi nge nambusi na?

15 Nabo ba ya ba kupula bonke ngodobo, ba ya ba donsisa ngeneta labo, ba ba hlanganise ngeneta elihotywayo labo; ngenxa yaloku ba ya jabula etabe.

16 Nga loku ba ya hlabela ineta labo, u tyise impepo kulo ineta elihotywayo labo: ngokuba ngawo inxenye yabo i namafuta, nokudhla kwake ku nonile.

17 Ngako wo tulula ineta labo yini, e nga yeki ukububisa izizwe njalo na?



## ISAHLUKO 2.

**N**GI ya kuma endaweni yami yokulinda, ngi zihlalise enqabeni, ngi linde ukubona loku a ya ku ku shumayela kimi, na loku e ngi za ku ku pendula ekujezisweni kwami.

2 Lapo uJehova wa pendula, wa ti, Bala isibonakalo, u lobe ezicabeni, ukuze a gijime o si fundayo.

3 Ngokuba isibonakalo si se nomzuzu, kanti ekupeleni si ya ku tyetya, si nga kohlisi: nokuba si libala, si hlalele; ngokuba so fika isibili, si nga yi ku puza.

4 Bheka okukumelayo umpefumlo wake a u lungile pakati kwake: kepa olungileyo wo pila ngenkolo yake.

5 Yebo pela, ngenxa yewaini wonakala umuntu okukumelayo, a ka hlali; o kulisa ukufisa kwake njengeSheoli, yena u njengokufa, a u nge sute, u ya buta kuye izizwe zonke, e zifumbele abantu bonke:

6 Po laba bonke a ba yi ku pata inkulumo nenshumayelo ehlekisayo ngakuye, ba ti, Maye kuye o zandisela o ku ngesiko okwake, ku ya kwenziwa ku ze ku be nini na? naye o qongela pezu kwake impahla yokuqiniswa!

7 A ba yi ku suka ngokuzuma aba kulumayo, ba vuke naba ku katazayo, u buye u be izimpango kubo na?

8 Ngokuba wona u pangile izizwe eziningi, insalo yonke yabantu u ya kupanga wena; ngenxa yegazi labantu, na ngohlupo lwezwe, nomuzi, nabo bonke a ba hlezi kuwo.

9 Maye kuye o zuzela indhlu yake inzuzo embi, ukuze a beke isihleke sake pezulu, a ze a sinde esandhleni sokubi!

10 Wena u cebele indhlu yako ihlazo ngokunquma abantu abaningi, wonile nompefumlo wako.

11 Ngokuba itye londonga li ya kukala, i li pendule insika emtini.

12 Maye kuye o waka inxulumano ngezizazi, e misa umuzi ngokonakala!

13 Bheka, a ngi ti ku vela kuJehova wamabandhla na? abantu ba zo kutalela umlilo, abantu ba katala ngeze.

14 Ngokuba umhlaba u zo gwaliswa ukwazi kokukazimula kuka Jehova, njengamanzi a ya sibekela ulwandhle.

15 Maye kuye o puzisa umhlobo wake, wena o pungula ukupuzisa okuvutayo kwako ku be uku m dakisa, ukuze ku bukwe ebuqunwini babo.

16 Wena u gewele ihlazo ku nokuka-

zimula; puza wena nawe ku zibukulwe ijwabu: umkele wesokuponsa kuka Jehova wo pendulelwa pezu kwako, nehlozo elikulu pezu kokukazimula kwako.

17 Ngokuba uhlupe lwa seLebanoni lu ya ku sibekela, nokububisa, kwezilo okutususayo ngenxa yegazi labantu, na ngohlupo lwezwe nolomuzi, nabo bonke a ba hlezi kuwo.

18 Isitombe esibaziweyo si sizani ngokuba umenzi waso u si bazile; nesitombe esi neibilikisiweyo, nomfundisi wamanga ngokuba umenzi u yetemba emsebenzini wake, ukwenza izitixo ezi ize ezitulayo na?

19 Maye kuye o ti kuwo umuti, Vuka; kulo itye elitulayo, Papama; lona li zo fundisa; Bheka li sibekelwe igolide nesiliva, kodwa a wuko umoya pakati kwalo impela.

20 Kepa uJehova u setempelini lake eli ingewe: tula ebusweni bake lizwe lonke.

## ISAHLUKO 3.

**U**MTANDAZO ka Habakuki umazisi, ungengoma.

2 Jehova, ngi zwile ukuzwakala kwako, ngesaba, Jehova pilisa umsebenzi wako pakati kweminyaka; pakati kweminyaka yazisa; ekutukuteleni ma u kumbule umbau.

3 uTixo u yeza e vele eTemani, ukuti Oyingewe kuyo intaba iParani. Sela. Ukukazimula kwake ku sibekela izulu, nomhlaba u gewele ukubongwa kwake.

4 Ku ti ukukazimula kwake ku nje ngokukanya; i kuye, imisebe i vele esandhleni sake, na lapo ku kona ukusita kwamandhla ake.

5 Ngapambili kwake i ya impondo, nofelho u puma ezinyaweni zake.

6 U yema e linganisa umhlaba: u bona e tutumalisa izizwe, zi ti izintaba za mandulo zi hlakazwa, imimango ya pakade i kotama; izindhlela zapakade zi kuye.

7 Nga bona amakaya a seKushani pansi kwekatatazo: amatente ezwe la seMidiani a zanyazanyiswa.

8 uJehova wa e tukutela ngemifula na? ulaka lwako lwa lu nga semifula na? intukutelo yako ya be i nga selwandhle na? ngokuba wa kwela emahashini ako, nezincwele zako zokusindisa.

9 Umeibityelo wako wa vela nokavela, njengezifungo ezizweni, ngezwi lako. Sela. Wa dabula umhlaba ngemifula.

10 Izintaba za ku bona, za zamazama; umsinga wamanzi wa dhlulela; ulwandle olude lwa pumisa izwi lalo, lwa pakamisa izandhla zalo pezulu.

11 Ilanga nenyanga yema enhlalweni yayo: ekukanyeni kwenisebe yako ya hamba, ngokuewazimla komkonto wako okazimlayo.

12 Wa hamba wena u dabula izwe ekutukuteleni, wa nyatela izizwe olakeni.

13 U pumela ukusindiswa kwabantu bako, ukusindiswa kogeotyweyo wako; u limaza inhloko endhlini yomubi, u zibukula isisekelo ku ze ku be sentanyeni. Sela.

14 Wena wa hlaba ngemikonto yake ikanda lombholi wake, ba ya ngokwesipepo uku ngi xotywa: ukwetaba kwabo kwa ku njengokudhla ompofu ekusitekeni.

15 Wa hambela pakati kolwandhle

emahashini ako, ekukukuleni kwamanzi amaningi.

16 Ngezwa, sa ti isisu sami sa tutumela; izindebe zami za qaqazela ngodumo; ukubola kwa ngena ematanjeni ami, nga ti nga tutumela pakati kwami, ukuba ngi zo pumula, ngosuku lwenhlupeko ini na; ekukupukeni kwake ebantwini, wo ba cindezela.

17 Nokuba umkiwane u nga kahleli, ku nga biko nesitelo ezinwazini; ku kohlisa umsebenzi womhlati, nemihlabati i nga vezi ukudhla, zi pele izimvu esibayeni, ku nga biko nankomo emaxibeni.

18 Noko ngi ya kwetaba kuJehova, ngi jabule kuTixo wokusindiswa kwami.

19 uJehova iNkosi u ngamandhla ami, yena u ya kwenza izinyawo zami zi be njengezinyamazana, wo ngi hambisa ezindaweni zami ezipakamileyo.

Kumholi wokuhlabelela ngogubu.

## INCWADI KA ZEFANIA.

### ISAHLUKO 1.

**I**ZWI lika Jehova e li be kuZefania indodana ka Kushi, indodana ka Gedalia, indodana ka Amaria, indodana ka Hizikia, ezinsukwini zika Josia indodana ka Amoni, inkosi yabaJuda.

2 Ngo qeda nya konke ebusweni bomhlabati u tyo uJehova.

3 Ngo qeda umuntu nesilwane; ngo qeda inyoni yezulu nezinhlanzi zolwandle, nezikubekiso kanye nababi; futi ngo nquma umuntu ebusweni bomhlabati, u tyo uJehova.

4 Ngo ti ngelule isandhla sami pezu kweJuda, na pezu kwabahlezi eJerusalem bonke; ngi nqume ku lendawo insalo ka Bali, negama lamaKimari kanye nabateteleli;

5 Naba kuleka ibandhla lezulu be pezu kwezindhlu; naba kuleka naba funga kuJehova naba funga ngoMalikami;

6 Naba buyela emuva kuJehova; nabo a ba nga funanga uJehova, be nga m buzisisanga.

7 Tula ebusweni beNkosi uJehova: ngokuba usuku luka Jehova lu seduze: ngokuba uJehova u lungisele ukuhlaba, wahlukanisele abamenyiweyo bake.

8 Ku ya kuti ngosuku lokuhlaba luka Jehova, ukuba ngi hlape izikulu, namadodana enkosi, nabo bonke abambete isambato seliuye izwe.

9 Nga lolosuku ngo hlupa bonke abeqa pezu kongulugulu, a ba gwelisa indhlu yomninibo ngohlupo nenkohliso.

10 Ku ya kuti ngalolosuku, u tyo uJehova, ku be kona, izwi lokukala li vele esungweni lezinhlanzi, nokulila ku vele kwe lesibili, nokufehleza okukulu emimangweni.

11 Lilani nina abahlezi eMaketeshi, ngokuba abatengi bonke ba bujiswa, bonke aba twesiwe isiliva ba nqunyiwe.

12 Ku ya kuti ngalesosikati ngo hlo-lisa iJerusema, ngezibani, ngi hlape abantu a ba hlezi pezu kwezinhlesi zabo: a ba ti enhliziyweni yabo, uJehova a ka yi kwenza okulungileyo, a ka yi kwenza nokubi.

13 Ngako imfuyo yabo i ya kuba impango, nezindhlu zabo incitakalo: ko ti bake izindhlu be nga hlali kuzo; futi ba ya kutyala izinwazi be nga puzi iwani lazo.

14 Usuku olukulu luka Jehova lu seduze, lu seduze lu tyetya kakulu,

ukuti, izwi losuku luka Jehova, iqawe li zo kala kona ngokubaba.

15 Usuku lolu usuku lolaka; usuku lwenkatazo nenhlupeko, usuku lokucitakala nokuciteka, usuku lobumnyama nokugqubala, usuku lwamafu nokuhlwa.

16 Usuku lwetilongo nokuvusa nga semizini ebiyiweyo, na ngaseziqongweni ezi nokudepa.

17 Ko ti ngi cindezele abantu, ba hambe njengabapuputekayo, ngokuba bonile nga kuye uJehova; futi igazi labol i ya kutelwa njengotuli, nenyama yabo njengamasimba.

18 Futi isiliva labo negolide labo a li yi ku ba namandhla uku ba sindisa ngosuku lwentukutelo ka Jehova; kepa izwe lonke li ya kudhliwa ngomlilo womona wake; ngokuba u ya ku kwenza impela ukucita okuzumayo kwabo bonke aba hlezi ezweni.

ISAHLUKO 2.

**Z**IHLANGANISENI, ni hlanganisiwe, sizwe esi nge nahlhoni;

2 Si nga ka zali isiyalelo, usuku lu nga ka dhluli njengamakoba, lu nga ka fiki pezu kwenu ulaka oluvutayo luka Jehova, lu nga ka fiki pezu kwenu usuku lolaka luka Jehova.

3 Funani uJehova nonke nina batobekileyo bezwe, eni sebenzile ukwahlula kwake, funani ukulunga, funani ukutobeka: mhlambe ni zo zisiteza ngosuku lolaka luka Jehova.

4 Ngokuba iGaza li ya kuba inxiwa, neAshkeloni incitakalo: ba ya kuxotya iAshdodi emini enkulu, neEkroni lo sityulwa.

5 Au kubo abahlezi ngasecaleni lolwandhle, isizwe samaKirethi! izwi lika Jehova li pezu kwenu; Kanani izwe lamaFilisti, ngo ti ngi ku bubise ku nga be ku sa bako ohlezayo.

6 Ko ti icala lolwandhle li be amadhlelo a nemigodi yamanzi yabalusi, nezibaya zezimvu.

7 Ku ya kuti, icala li be kuyo insalo yendhlu ka Juda; ba ya kudhla kuwo amadhlelo; ba zo lala kusihlwa ezindhlini za seAshkeloni; ngokuba uJehova uTixo wabo wo ba beka, a buyisele abatanjiweyo babo.

8 Ngi zwile ukujezisa kuka Moabi nokufenyisa kwamadodana a seAmoni a ba jezisa ngazo abantu bami, be zikulisa ngasemkaulweni wabo.

9 Ngako, ukupila kwami! u tyo uJehova wamabandhla, uTixo wabaIsraeli, uMoabi wo ba njengeSodoma isibili, namadodana a seAmoni njengeGomora, indawo yokubanjwa ameva, nomgodi wosauti, nencitakalo ku ze ku be pakade; insalo yabantu bami yo ba panga, nabaseleyo besizwe sami bo ba nabo.

10 Loku ko ba kubo esikuudhlisi sokuzidlhla kwabo, ngokuba ba jezisile ba zikulisile nga pezu kwabantu baka Jehova wamabandhla.

11 uJehova u ya kwesabeka kubo; ngokuba wo zacisa zonke izitixo zomhlaba; ba ya kuti ba kotame kuye ilomuntu endaweni yake, zonke iziqingi zezizwe.

12 Nani baKushi ni ya kuhlatywa ngenkamba yami.

13 Futi wo selula isandhla sake pezu kwenyakato a bubise uAshuri, a beke uNivea u be incitakalo, nokoma njengehlane.

14 Ko ti imihlambi i lale pansu pakati kwawo, zonke izilwane zesizwe; nayo unozalizingwenya, nayo ingungumbane yo lala emiqeleni yezinsika zawo; izwi lazo lo gwaba ezintubeni; ukucitakala ko ba emgulugulwini: ngokuba wo zibukula anaplankwe esedare.

15 Lo u ngumuzi owetabayo, o be u hlezi ngokwetemba, o be u ti enhliziyweni yawo, ngi kona, amuko ngapandhle kwami; yeka, u incitakalo, indawo yokulala kwezilwane! bonke a ba dhlulayo pezu kwawo ba zo kwisa, ba qwebe ngesandhla sabo.

ISAHLUKO 3.

**M**AYE<sup>o</sup> kopambeneyo ongcilileyo, umuzi ohlupayo!

2 A u lalanga izwi; a wamkelanga ukulungiswa; a wetembanga kuJehova; a u sondelanga kuTixo.

3 Izikulu zawo pakati kwawo zi izingonyama ezibodhlayo; abahluli bawo ba izimpisi zokuhlwa; a ba shiyeli uluto kwangomso.

4 Abazisi bawo ba abaqenayo abantu abakohlisayo; abakonzi bawo ba ku ngcolisile oku ingeweke, ba wonile uniteto.

5 uJehova olungileyo u pakati kwawo; a ka yi kwenza okubi: kusasa na kusasa u ya beka ukwahlula kwake ekukanyeni, a ka puti; kepa omubi a ka zazi izinhloni.

6 Ngi nqumile izizwe; iziqougo zazo

zi citiwe: ngi citakalisile izindhlela zazo, ku nga dabuli kona ununtu: imizi yazo i hlakaziwe a ku se ko muntu, a ka bi ko ohlalayo.

7 Nga ti, Wena wo ngesaba isibili, wo kwamkela ukulungiswa; ukuze inhlalo yake i nga nqunywa, ngako konke e ngi ku bekisile pezu kwake: kanti ba tye-tya ba vuke, ba zonakalisa zonke izenzo zabo.

8 Ngako ngi bekeleni u tyo uJehova, ku ze ku be usuku e ngi vukela impango ngalo; ngokuba ku ukwahlula kwami ukubuta izizwe; ngi hlanguise imibuso, ukutela pezu kwazo intukulelo yami, ukuti lonke ulaka lwami olu vutayo: ngokuba izwe lonke li ya kudhliwa ngomlilo womona wami.

9 Ngokuba lapo ngo buyisela kubantu ukukuluma okwahlukanisiweyo, ukuze ha kuleke bonke ngegama lika Jehova uku m konza ngenhliziyonye.

10 Ku pume nga pesheya kwemifula ya seKushi abakulekayo bami a ba indodakazi yabahlakaziweyo bo leta isipiwo sami.

11 Ngalolosuku wena a u yi ku jaba ngezenzo zonke zako o pambekile ngazo ngakimi: ngokuba lapo ngo susa pakati kwako bona abetaba ekuzidhleni kwako, a u sa yi ku pinda ukuzipakamisa entabeni yami e ingewele.

12 Ngi ya kuti ngi shiye pakati kwako abantu abahluphekileyo abampofu, bona ba zo temba egameni lika Jehova.

13 Abensalo ba seIsraeli a ba yi kwe-

nza okubi, a ba yi ku kuluma amanga; nolimi lwenkohliso a lu yi ku funyanwa emlonyeni wabo: ngokuba bona ba ya kudhla, ba lale pansu, ku nga biko o betusayo.

14 Hlabelela, Ndodakazi ya seZioni; memezani, baIsraeli; jabula wetabe ngenhliziyo yonke Ndodakazi ya seJerusalem.

15 uJehova u susile ukwahlulwa kwako, u guqulele emuva isita sako: iNkosi ya seIsraeli uJehova i pakati kwako; wena a u yi ku bona okubi futi.

16 Ngokuba lolu ko tiwa kuJerusalem, U ngesabi! na kuZioni, Izandhla zako ma zi nga dangali.

17 uJehova uTixo wako pakati kwako u namandhla, wo sindisa; wetabe pezu kwako ngenjabulo: wo tula ngenxa yokutanda kwako, wo jabula pezu kwako ngokuhlabelela.

18 Ngo buta bona aba lingozela umhlangano omiselweyo a ba vele kuwe, e be i ihlazo kubo inkulumo ngawo.

19 Bhekani nga lesisikati ngi ya kwenza nga kubo bonke a ba ku katazayo: ngo ti ngi sindise abaxukayo, ngi bute yena o kapezwayo; ngo ti ngi ba bekele ukudunyiswa nodumo emazweni onke okuhlaziswa kwabo.

20 Nga lesosikati ngo ni leta, kusona isikati e ngi ni buta ngaso: ngokuba ngo ni nika igama nokudunyiswa kubo bonke abantu bomhlaba, lapo ngi buyisa abatunjiweyo benu emehlweni enu, u tyo uJehova.

## INCWADI KA HAGAI.

### ISAHLUKO 1.

**N**NGOMNYAKA wesibili ka Dariusi inkosi, ngenyanga yesitupa, ngosuku lokuqala lwenyanga, izwi lika Jehova la ba kona ngesandhla sika Hagai umazisi kuZerubabeli indodana ka Shaltiel umbusi wa seJuda, na kuJoshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu, ukuti.

2 Njalo u tyo uJehova wamabandhla, ukuti, Lababantu ba ti, A si ka fiki isikati sokwakiwa kwendhlu ka Jehova.

3 Lapo izwi lika Jehova la ba kona ngesandhla sika Hagai umazisi, lokuti.

4 Po ku isikati ini sokuba ni hlale

eziindhlini zenu ezifulelweyo, kanti indhlu le i citeka na?

5 Kalokuke njalo u tyo uJehova wamabandhla, bhekani ezinhliziyweni zenu izindhlela zenu.

6 Ni hlwanyele okuningi, ni ngenisa oku ingozana kodwa; ni ya dhla kodwa ni nga suti; ni puza, ni nga kolwa; nambata ku nga fudumali muntu, yena okokelwayo u ya kokelwa a tele esikwameni esibobokileyo.

7 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; bhekani ezinhliziyweni zenu izindhlela zenu.

8 Kupukelani entabeni, ni lete imiti,

nake indhlu; ngi ya kuti ngi tokoze kuyo, futi ngi ya kudunyiswa, u tyo uJehova.

9 Be ni beka okuningi, bhekanike, nako ku ingcozana; nalapo na ku yisa endhlini, nga pepeta pezu kwako. Ngani na? u tyo uJehova wamandhla. Ngenxa yendhlu yami e citakele yona, kanti nina ni gjimela ilomuntu endhlini yake.

10 Ngako izulu pezu kwenu li vinjelwa li nga bi nambete, nezwe li vinjelwa ekuteleni kwalo.

11 Futi nga biza ukoma pezu kwezwe, na pezu kwezintaba, na pezu kokolweni, na pezu kwewaini elitya, na pezu kwamafuta, na pezu kwa loko izwe e li ku vezayo, na pezu kwabantu, na pezu kwezinkomo, na pezu kwako konke okusetyenzwa ngezandhla.

12 Lapo uZerubabeli indodana ka Shealtieli noJoshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu, nensalo yonke yabantu, ba lalela kulo izwi lika Jehova, uTixo wabo, na kuwo amazwi ka Hagai umazisi, njengaloko uJehova uTixo wabo wa be e m tumile, ba ti abantu besaba pambi kuka Jehova.

13 Lapo uHagai isitunywa sika Jehova wa kuluma ekukonzeni kuka Jehova kubantu, ngokuti; Mina ngi kini u tyo uJehova.

14 Wa ti uJehova wa vusa umoya ka Zerubabeli indodana ka Shealtieli umbusi wa seJuda nomoya ka Joshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu, nomoya wensalo yonke yabantu; ba ti benza ukukonza endhlini ka Jehova wamabandhla, uTixo wabo.

15 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yesitupa, ngomnyaka wesibili ka Dariusi inkosi.

## ISAHLUKO 2.

**N**GENYANGA yesibili, ngosuku lwamashumi amabili nanye lwenyanga, la ba kona izwi lika Jehova ngesandhla sika Hagai umazisi, lokuti.

2 Kuluma manje kuZerubabeli indodana ka Shealtieli umbusi wa seJuda, na kuJoshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu, na kuyo insalo yabantu, u ti.

3 Ubani pakati kwenu oseleyo o wa bona indhlu le ekukazimuleni kwayo kokuqala na? kepa ni ya yi bona i njani manje na? a siyo ize emehlweni enu ekulinganiseni nayo na?

4 Kepa kaloku qina Zerubabeli, u tyo uJehova, qina nawe Joshua ndodana ka Josadaki mteteleli omkulu, qinani nani bantu nonke bezwe u tyo uJehova, ni sebenze; ngokuba mina ngi kini, u tyo uJehova wamabandhla.

5 Izwi'lelo e nga li vumelana nani ekupumeni kwenu Egipte, njalo umoya wami wa u hlezi pakati kwenu, ni ngesabi.

6 Ngokuba njalo u tyo uJehova wamabandhla, Ku se kanye ngomzuzwana, ngi ya kuti ngi zamazise izulu nomhlaba, nolwandhle, nomhlabati o womileyo:

7 Ngo ti ngi zamazamise izizwe zonke, futi okufiswayo kwezizwe zonke ko fika: ngo gewalisa lendhlu ngokukazimula, u tyo uJehova wamabandhla.

8 Elami isiliva, elami negolide, u tyo uJehova wamabandhla.

9 Ukukazimula kwendhlu le elandelayo ko ba okukulu ku neyokuqala, u tyo uJehova wamabandhla.

10 Ngosuku lwamashumi amabili nane, ngenyanga yeshiyagalolunye, ngomnyaka wesibili ka Dariusi la ba kona izwi lika Jehova ngesandhla sika Hagai umazisi, li ti,

11 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Buza kaloku, abateteleli ngomteto, u ti,

12 Uma umuntu a pata inyama e ingewele ecopweni lokwambata kwake, e namata ngecopo lake isinkwa. nokuba isijingi, nokuba iwaini, nokuba amafuta, nokuba ukudhla okunye, i ya kuba ingewele ini na? abateteleli ba se be pendula, be ti, Ca.

13 Lapo uHagai, wa ti, uma ongecolileyo ngomuntu ofileyo a namate okunye kuloku, ku ya kuba okungecolileyo ini na; ba se be pendula abateteleli, ba ti, Ko ba okungecolileyo.

14 Lapo wa pendula uHagai, wa ti, Ku njalo lababantu, ku njalo nalesizwe sonke pambi kwami, u tyo uJehova; ku njalo nokwenza konke kwezandhla zabo, na loku a ba ku nikelayo lapo ku ngcolile.

15 Na kaloku bhekani ezindhliziyweni zenu, ku suka ku lolusuku na kwezanduleleyo, ku nga ka bekwa itye pezu kwetye etempelini lika Jehova.

16 Ku suka u kona lapo umuntu weza enqwabeni yamaqoma amashumi amabili, a be kona ishumi lodwa: weza empongolweni wewaini ukuka izimbiza

ezingamashumi amahlauu esincindezeleni sewaini, za ba kona ezingamashumi amabili kodwa.

17 Nga ni tyaya ngokubunisa, na ngenkwashakazi, na ngesicoto ekwenzeni konke kwezandhla zenu; kepa kwa ku ngeko umuntu pakati kwenu o be kimi u tyo uJehova.

18 Ku bhekeni manje ezindhliziyweni zenu ku suka ku lolusuku na kwezanduleleyo ku suka osukwini olungamashumi amabili nane lwenyanga yesishiyagalolunye, ku suka kuwo umhla itempeli lika Jehova e la sekelwa ngawo, ku bhekeni ezindhliziyweni zenu.

19 Imbeu se i senyangweni na? yebo isinwazi, nomkiwane, nomrimoni, nomuti umhlwati a u sa teli, ku suka ku lolusuku ngo ni busisa.

20 Kwa ti kwa ba kona izw lika Jehova ngokwesibili kuHagai ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga, lokuti,

21 Kuluma kuZerubabeli umbusi wa seJuda ngokuti, ngo zamazamisa izulu nomhlaba;

22 Futi ngo gumbuqela isihlalo sobukosi semibuso, ngo bubisa namandhla emibuso yezizwe; ngo gumbuqela nabakweli bazo; a ya kuwa pansi namahashi nabakweli bawo, umuntu ngenkamba yomfo wabo.

23 Nga lolosuku u tyo uJehova wamabandhla, ngo ku tabata Zerubabeli ndodana ka Shealtiel neeku yami, u tyo uJehova, ngi ku beke njengendandato yopau: ngokuba ngi ku ketile, u tyo uJehova wamabandhla.

## INCWADI KA ZEKARIA.

### ISAHLUKO 1.

**N**NGENYANGA yesishiyagalombili, ngomnyaka wesibili ka Dariusi, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria, indodana ka Berekia, indodana ka Ido umazisi, ukuti.

2 uJehova wa e tukutelela noyihlo benu ngokutukutela.

3 Kepa wena, wo ti kubo, njalo u tyo uJehova wamabandhla; Buyelani kimi, ukutyo kuka Jehova wamabandhla, mina ngo buyela kini, u tyo uJehova wamabandhla.

4 Ma ni nga bi njengoyihlo benu, a ba kala kubona abazisi bokuqala, ba ti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla, Buyani manje ezindhleleni zenu ezimbi, na sekwenzeni kwenu okubi, kanti a bezwanga, a ba lalalanga kimi, ukutyo kuka Jehova.

5 Oyihlo benu ba pi na? nabazisi ba be be hlala ku ze ku be pakade na?

6 Nembala amazwi ani neziyalezelo zami e nga yaleza izinceku zami abazisi ngazo, a zi ba fikelanga oyihlo benu na? ba se be buya, ba ti, Njenga loku uJehova wamabandhla wa be e zindhla ukwenza kiti, kwezindhlela zetu, na ngokwenza kwetu, wenze njalo na kitina.

7 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga yeshumi nanye, e inyanga uSebati, ngomnyaka wesibili ka Da-

rius, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria indodana ka Berekia, indodana ka Ido umazisi, li ti.

8 Nga bona ebusuku, bhekake, umuntu e kwele ehashiini elibomvu, yena wa be e mi ngapakati kwemiti emihadari e bi semfundeni; kwa ba kona nasemva kwake amahashi amlilwana, nabomvu, namhlope.

9 Lapo nga ti, Ba ini laba, Nkosi yami? Ya se i ti kimi ingelosi e bi kuluma nami, Ngo ku bonisa ukuba laba ba ini.

10 Lapo umuntu o be e mi ngapakati kwemiti yemihadari wa pendula wa ti, Ilaba uJehova u ba tumile ukuzihambela emhlabeni.

11 Nabo ba yi pendula ingelosi ka Jehova e bi pakati kwemiti yemihadari, ba ti, Si zihambe emhlabeni, bhekake, umhlaba wonke u hlezi u tula.

12 Ya se i pendula ingelosi ka Jehova ya ti; Jehova wamabandhla, ko ze ku be nini u nga li haukeli iJerusalema nemizi baza seJuda, o be u tukutele nayo leminyaka engamashumi a isikombisa na?

13 Lapo uJehova wa yi pendula ingelosi e bi kuluma nami, ngamazwi alungileyo, amazwi atokozisayo.

14 Ya buya ingelosi e bi kuluma nami ya ti kimi, Memeza wena, u ti, Njalo u

tyo uJ hova wamabandhla; Ngi nomona neJerusalema neZioni ngomona omkulu.

15 Ngi ya tukutela ngentukutelo enkulu nezizwe ezi hlezi kahle; e nga be ngi tukutela kancane, kepa bona ba sizile ebubini.

16 Ngako njalo u tyo uJehova; Ngi buyele kuJerusalema ngombau; indhlu yami i za kwakiwa kulo, u tyo uJehova wamabandhla; yo ti intambo yelulwe pezu kweJerusalema.

17 Memeza futi, u ti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Imizi yami yo vama futi ngokuhle; ko ti uJehova a tokozise iZioni futi, a kete futi neJerusalema.

18 Lapo nga pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake izimpondo ezine.

19 Nga se ngi ti kuyo ingelosi e bi kuluma nami, Zi ini na lezi? Yona ya ti kimi, Zona zi izimpondo e zi citile iJuda, neIsraeli, neJerusalema.

20 Wa buya uJehova wa ngi bonisa ababazi abane.

21 Lapo nga ti, Laba abezayo ba za kwenzani na? Yena wa kuluma, wa ti, Lezi zi izimpondo e zi citile iJuda, njengo ku nga ti a pakamisanga muntu ikanda lake: kepa bona ba fikile ukuzetusa, ukulahla izimpondo zezizwe, ezi pakamisa upondo lwazo pezu kwezwe la seJuda uku li cita.

### ISAHLUKO 2.

**L** APO nga pakamisa amehlo ami nga bona, bhekake, umuntu e nentambo yokulinganisa esandhlени sake.

2 Nga se ngi ti, U ya pi na wena? Yena wa ti kimi, Ukulinganisa iJerusalema, ukubona, bu ngakanani ububanzi, bu ngakanani nobude balo.

3 Bhekake ingelosi e bi kuluma nami ya puma, nengelosi enye ya puma uku yi hlangebeza.

4 Yona ya ti kuyo, Gijima u kulume kuyo insizwa le, u ti, iJerusalema li za kwakiwa njengemizi e nga biyiwe ngobunzini babantu nezinkomo pakati kwalo.

5 Ngokuba, Mina, u tyo uJehova, ngo ba kulo udonga lomlilo, ngo ba nokukazimula pakati kwalo.

6 He! He! Zanini ni baleke ezweni la senyakato, u tyo uJehova: ngokuba njengomoya abane bezulu ngi ni hlakazile, u tyo uJehova.

7 We Zioni! o hlezi nendodakazi ya seBabulona zisindise.

8 Ngokuba njalo u tyo uJehova wamabandhla; Emva kokukazimula u ngi tumile kuzo izizwe e zi ni pangileyo; ngokuba yena o tyayana nawe u tyayana nenhlamvu yeso lake.

9 Ngokuba, bheka, ngo zamamisa isandhla sami pezu kwabo, bona ba ya kuba impango kuzo izinceku zabo: ko ti nazi ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile.

10 Hlabelela wetabe Ndodakazi ya seZioni; ngokuba bheka mina ngi yeza, ngo hlala pakati kwako, u tyo uJehova.

11 Ku ya kuti izizwe eziningi zi hlangane kuJehova nga lomhla, ba be abantwana bami bona: mina ngo hlala pakati kwako, wazi wena ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile kuwe.

12 Lapo uJehova wo zuzi iJuda inxenye yake ezweni eli ingewe, a kete neJerusalema futi.

13 Tula Nyama yonke pambi kuka Jehova; ngokuba u visuwe enhlalweni yake eyingewe.

### ISAHLUKO 3.

**L** APO ya ngi bonisa uJoshua umteteleli omkulu e mi nga pambi kwengelosi yika Jehova, noSatani e mi esandhlени sokunene sake ukumtitya.

2 Lapo uJehova wa ti kuSatani, uJehova wo ku kuza Satani; sona a si so isikuni esi kityiwe emlilweni na?

3 Kwa ti uJoshua o be embete izingubo ezingcolileyo, wema yena panbi kwengelosi.

4 Lapo ya pendula ya ti ku bona a bemi pambi kwake ngokuti, Susani kuye izingubo ezingcolileyo. Ya ti ku yena, Bheka, ngi dedisile okubi kwako kuwe, ngi ya kuti ngi kwambatise ngezambato zedili.

5 Nga ti mina, Ma ba beka ekanda lake isigqoko esinuhlope, lapo ba beka ekanda lake isigqoko esimhlope, ba mambatise ngezambato. Nengelosi ka Jehova i bi mi kona.

6 Lapo ingelosi ka Jehova ya pimesela kuJoshua ya ti.

7 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; uma wena u ya ngezindhlela zami, u gcine isimiso sami, lapo u ya kwahlula indhlu yami, u gcine nezigidhlo zami; ngo ku nika nabangane bako pakati kwa laba a bemi kona.

8 Kaloku yizwa, Joshua mteteleli omkulu, wena, nabangane bako a ba

hlezi pambi kwako: ngokuba ba ngabantu bomboniso; ngokuba, bheka, mina ngo zisa ineku yami, IGATYA.

9 Ngokuba, bheka, itye e ngi li beki le pambi kuka Joshua; ko ba kona amehlo a isikombisa pezu kwetye linye; bheka, mina ngo loba isilobo salo, u tyo uJehova wamabandhla, ngi suse okubi kwezwe leli ngosuku lu be linye.

10 Nga lolosuku, u tyo uJehova wamabandhla, ni zo biza ilomuntu umgane wake pansi kwesinwazi na pansi komkiwane.

ISAHLUKO 4.

**K**WA ti ingelosi e bi kuluma nami ya buya, ya ngi vusa njengomuntu o vusiwe ebutongweni.

2 Ya se i ti kimi, U bonani na? Lapo nga ti, ngi bhekile, bhekake, izinti zezibane e zi igolide zounke, zi nomkele pezu kwazo, nezinti ezibobokileyo ezi isikombisa kuzo izibani ezi isikombisa ezi pezu kwazo.

3 Nemihlwati emibili kuzo, omunye ngesokunene komkele, nomunye ngesokholo kwawo.

4 Nga pendula mina, nga tyo kuyo ingelosi e bi kuluma nami, ukuti, Lezi zi ini na, Nkosi yami?

5 Lapo ingelosi e bi kuluma nami, ya pendula ya ti kimi. A u kwazi wena ukuba lezi zi ini na? Nga ti mina Ca, Nkosi yami.

6 Ya se i pendula ya tyo kimi ukuti, Loku ku izwi lika Jehova kuZerubabeli, li ti, Ku nga bi ngempi, ku nga bi na ngamandhla, kodwa ngomoya wami, u tyo uJehova wamabandhla.

7 Ubani wena Ntaba enkulu? ebusweni buka Zerubabeli u za kuba itafa; Yena wo zisa itye lesihloko sayo ngokumemeza, Ubuhle, ubuhle kulo.

8 La ba kona uezwi lika Jehova kimi, li ti,

9 Izandhla zika Zerubabeli zi sekele lendhlu; izandhla zake zi za ku qeda belu; u ya kwazi wena ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile kini.

10 Ngokuba ubani u delile usuku lwa loku okuncane; ngokuba ba ya kujabula, ba bone itye lenhlamvu esandhleni sika Zerubabeli, li na lawa a isikombisa; a ngamehlo ka Jehova, a zihambela emhlabeni wonke.

11 Lapo nga pendula nga ti kuyo, I yini lenihlwati emibili nga kwesoku-

nene kwezinti zezibane, na ngakwesokholo kwazo na?

12 Nga pendula ngokwesibili, nga ti kuyo, A ini lamagatya amabili omhlwati a tela pakati kwezinti ezibobokileyo zegolide ezimbili amafuta a pumela ezintini zezibane ezi igolide, a vele kuwo na?

13 Kepa ya tyo kimi ukuti, A kwazi ukuba lawa a ini na? Nga ti mina, Ca, Nkosi yami.

14 Lapo ya ti, Lawa amabili a ngaba-geotyiweyo, a be mi nga kuyo iNkosi yomhlaba wonke.

ISAHLUKO 5.

**L**APO nga pinda, nga pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake umgqulu wenewadi ondizayo.

2 Ya se i ti kimi, U bonani na? Nga ti mina, ngi ya bona umgqulu wenewadi ondizayo; ubude bawo izingalo ezingamashumi amabili, nobubanzi bawo izingalo ezi ishumi.

3 Yona ya ti kimi, Wona, u ngukuqalekisa oku pumele pezu kobuso bomhlaba wonke; ngokuba bonke ilo o webayo wo qedwa ngalapa njengawo, nabo bonke ilo ofungayo wo qedwa ngalapa njengawo.

4 Ngo si pumisa u tyo uJehova wamabandhla, sona so ngena endhlini yesela na seudhlini yofungayo amanga ngegama lami; so hlala pakati kwendhlu yake, si yi qede kanye imiti yayo namatye ayo.

5 Lapo ingelosi e bi kuluma nami ya puma, ya ti kimi, Pakamisa kaloku amehlo ako, u bone ukuba ku ini loku okupumayo.

6 Lapo nga ti, Ku ini loku? Yona ya ti, Loku ku iefa eli pumayo, Ya tike, Loku ku isimo sabo emhlabeni wonke.

7 Bheka kwa pakanyiswa isondo lomtoku: loku ku isifazana e si hlezi pakati kwefa.

8 Ya ti yona, Loku ku ububi, Ya ku ponsa pakati kwefa; ya ponsa itye lomtoku ebusweni balo.

9 Lapo nga pakamisa amehlo ami, nga bona, bhekake, izifazana ezimbili za puma, nomoya enapikweni azo; ngokuba za ba namapiko njengamapiko onozalizingwenya; za ti za pakamisa iefa pakati komhlaba nezulu.

10 Lapo nga ti kuyo ingelosi e bi kuluma nami, Lezi zi yisapi iefa na?

11 Yona ya ti kimi ukwakela lon-



indhlu ezweni la seShinari; lona lo mhlwa li hlaliswe kona esisekelweni salo.

ISAHLUKO 6.

**N**GA se ngi penduka nga pakamisa Namehlo ami, nga bona bhekake, izinewele ezine za puma zi vele emkatini wezintaba ezimbili; za ti zintaba za ba itusi.

2 Eneweleni yokuqala amahashi abomvu, na seneweleni yesibili amahashi amnyama.

3 Na seneweleni yesitatu amahashi amhlope; na seneweleni yesine amahashi anala a nejubane.

4 Lapo nga pendula, nga ti kuyo ingelosi e bi kuluma nami, la a ini na, nkosi yami?

5 Ingelosi ya pendulake, ya ti kimi, Wona a imimoya emine yezulu e puma i vela ekumeni pambi kweNkosi yomhlaba wonke.

6 Amahashi amnyama a pakati kwawo, a ya pumela ezweni la senyakato, a ti amhlope a ya pumela emva kwawo, a ti anala a ya pumela ezweni la senigizimu.

7 A nejubane a pumela a funa ukuya a zihambele emhlabeni; Yona ya ti kuwo, Hambani ni zihambele emhlabeni. A ti a zihambela emhlabeni.

8 Lapo ya pimisela kimi, ya ti kimi, Bheka, lawa a pumela ezweni la senyakato a pumuzile umoya wami ezweni la senyakato.

9 Kwa ti kwa ba kona izwi lika Jehova kimi, ukuti,

10 Tabata kuko ukutunjwa, kuHeldi, kuTobia, na kuJedaia a ba vele eBabulona, u ye wena ngalolosuku u ngene endhlini ka Josia indodana ka Zefania.

11 Ko ti u tabate isiliva negolide u yenze imiqele, u yi beke ekanda kuye uJoshua indodana ka Josadaki umteteleli omkulu.

12 U tyo kuye, ukuti, Njalo u tyo uJehova wamabandhla, u ti, Bheka umuntu ogama lake li Igatya; ko ti a mile nga pansu kwake, ake itempeli lika Jehova.

13 Yena pela wo laka itempeli lika Jehova; yena wo pata ubukosi, wo hlala a buse esihlalweni sake sobukosi; Yena wo ba umteteleli esihlalweni sake sobukosi; ko ti icebo lokuhlala kahle li be pakati kwabo bobabili.

14 Ko ti imiqele i be kuHeleni, na

kuTobija, na kuJedaia, na kuHeni indodana ka Zefania, i be isikumbuzelo etempelini lika Jehova, nina ni ya kwazi ukuba uJehova wamabandhla u ngi tumile kini. Loku ko ba kona uma ni lalela kahle kulo izwi lika Jehova.

ISAHLUKO 7.

**K**WA ti ngomnyaka wesine kaDariusi inkosi, la ba kona izwi lika Jehova kuZekaria ngosuku lwesine lwenyanga yesishiyagalolunye i ti uKisleu.

2 Lapo wa tuma endhlini kaTixo uSherezeri, no-Regem-meleki, nabantu bake, ukuncenga pambi kuka Jehova,

3 Ukukuluma kubo abateleli abasendhlini ka Jehova wamabandhla, na kubazisi ukuti, Nga ngi lila ngenyanga yesihlanu, ngi zahlukanisele njengaloku e ngi kwenzileyo leminyaka engaka ini na?

4 Lapo la ba kona izwi lika Jehova wamabandhla kimi, li ti,

5 Kuluma kubo abantu bonke bezwe, nabateleli, u ti, Lapo na zila ukudhla na lila ngenyanga yesihlanu neyesikombisa leminyaka e ngamashumi a isikombisa, na zila ngokuzila kimi na?

6 Na lapo na dhla, na lapo na puza, kwa ku nge nina e na dhla na puza na?

7 A ngi ti nga we zwa amazwi uJehova a wa memezayo ngabazisi bokuqala lapo iJerusalem la li nabantu li nenhlanhla nemizi yalo ehaqileyo, lapo ba be hlezi eningizimu, na setafeni na?

8 Kwa ti kwa ba kona izwi kuZekaria, li ti,

9 Njalo u tyo uJehova wamabandhla, ukuti, Yahlulani ukulunga okuqinisi-leyo, nenze umsa nomhau ilomuntu kanye nomfo wabo.

10 Ni nga hlupi umfelokazi, nenkedama, nomfo, nompofu; ma ni nga cabangi okubi ezinhliziyweni zenu umuntu nomfo wabo.

11 Kanti ba nqaba ukulalela, ba nikelzela ihlombe elihlubukayo, ba vimba izindhlhebe zabo, ukuba ba ngezwa.

12 Ba beka ezinhliziyzo zabo zi be itye leshamiri, ukuba ba nga wu zwa umteto, namazwi uJehova wamabandhla u be u tumile umoya wake ngabazisi bokuqala; ngako lwa ba kona ulaka olukulu lu vele kuJehova wamabandhla.

13 Ngako ku kona njengaloku yena wa kala, a bezwanga bona; njalo bona

ba kalile, a ngi zwanga, mina, u tyo uJehova wamabandhla.

14 Kanti nga ba hlakaza ngesivungu-vungu pakati kwezizwe zonke a ba ngazaziyo. Njalo izwe li be li citekile emva kwabo, li nga bi nodabulayo nobuyelayo; ngokuba ba lenza izwe elitandiweyo li be elicitekileyo.

ISIAHLUKO 8.

**K**WA ti kwa ba kona izwi lika Jehova wamabandhla, li ti,

2 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Nga ngi nomona ngenxa yeZioni ngomona omkulu, nga ngi nomona ngenxa yalo ngokuvuta okukulu.

3 Njalo u tyo uJehova; ngi buyele kulo iZioni ngo ti ngi hlale pakati kweJerusalema: lona iJerusalema lo tiwa umuzi weqiniso; intaba yika Jehova wamabandhla, intaba eyingewe.

4 Njalo u tyo uJehova wamabandhla, ko hlala kona futi amadoda amadala, nabafazi abadala ezindhleleni za seJerusalema, ilomuntu e nentonga esandhlени sake ngobuningi bemihla.

5 Nezindhlela zomuzi zo gewala abafana namatombazana be dhlala ezindhleleni zawo.

6 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Uma ku ngomangalisayo emehlweni ensalo ya lababantu ngalezizinsuku; ku nga ba okumangalisayo emehlweni ami na? u tyo uJehova wamabandhla.

7 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Bheka mina ngo sindisa abantu bami ezweni la sempumalanga, na sezweni la sentyonalanga.

8 Ngo ba zisa mina, ba hlale pakati kweJerusalema; bona bo ba abantu bami, mina ngo ba kubo uTixo ngeqiniso na ngokulunga.

9 Njalo u tyo uJehova wamabandhla: Izandhla zenu ma zi qine nina e ni zwa nga lezizinsuku amazwi lawa ngomlomo wabazisi, a ba be kona ngosuku ya sekelwa ngalo indhlu ka Jehova, wamabandhla ukuze kwakiwe itempeli.

10 Ngokuba ngapambili kwa ku ngeko ukukokelwa komuntu, kwa ku ngeko nokukokelwa kwesilwane; kwa ku ngeko nokuhlala kahle kuye o wa puma, na kuye o wa ngena ngenxa yenhlupenko; ngokuba nga beka bonke abantu ilo ngakuye umngane wake.

11 Kepa kaloku a ngi yi ku ba njenga sezinsukwini ezidhlulileyo kuyo insalo

ya lababantu, u tyo uJehova wamabandhla.

12 Ngokuba inzalo yo ba nenhlalo enhle; isinwazi so tela ukudhla kwaso, nomhlaba wo tela isitelo sawo, nezulu lo nika umbete walo; ngo ti ngenze ukuba insalo ya laba bantu i be na loku konke.

13 Ko ti ku be njenga loku ni be isituko pakati kwezizwe, Ndhlu ka Juda, nendhlu ka Israeli; njalo ngo ni sindisa, ni be ubusizo; ni nga sabi, izandhla zenu ma zi qine.

14 Ngokuba njalo u tyo uJehova wamabandhla; njenga loku ni be ngi cabanga ukunihlupa lapo oyihlo benu ba ngi tukutelisa kona, u tyo uJehova wamabandhla, ngi nga penduki:

15 Njalo ngi buyile ngi cabangile ngalemihla ukwenza kahle kulo iJerusalema na kuyo indhlu kaJuda: ni nga sabi.

16 Ilawa amazwi e ni ya ku wenza; Kulumapi iqiniso ilomuntu nomngane wake; Yahlulani iqiniso nesahlulo sokuhlalisa kahle emasangwini enu.

17 Ma ni nga cabangi nina namunye muntu wenu okubi ezinhliziyweni zenu nga kuye umhlaba wake, ni nga tandi nina isifungo samanga, ngokuba iloku konke e ngi ku zondayo; ukutyo kuka Jehova.

18 Kwa ti kwa ba kona kimi izwi lika Jehova wamabandhla, li ti,

19 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; ukuzila kwenyanga yesine, nokuzila kwe yesihlanu, nokuzila kwe yesikombisa nokuzila kwe yeshumi ko ba kuyo indhlu ka Juda, ukwetaba nokujabula, namadili amahle; ngako tandani iqiniso nokuhlala kahle.

20 Njalo u tyo uJehova wamabandhla, Ku ya kwenziwa futi ukuba ku vele abantu, nabahleziyo benizi eminingi.

21 Ko ti abahleziyo bomuzi munye ba ye komunye, be ti, Ma si hambe si ye si kuleke ebusweni buka Jehova, si fune uJehova wamabandhla; ngo hamba nami.

22 Ku ya kuti, abantu abanangi, nezizwe ezi namandhla zi ze zi fune uJehova wamabandhla eJerusalema, zi tandaze ebusweni buka Jehova.

23 Njalo u tyo uJehova wamabandhla; Ngalezizinsuku ku ya kwenziwa, ukuba abantu aba ishumi bezilimi zonke zezizwe, ba bambe bona icopo lomuntu e umJuda, ba ti, So hamba nami; ngokuba si zwile ukuba uTixo u kini.

ISAHLUKO 9.

**I**NSHUMAYELO yezwi lika Jehova li ezweni la seHadraki, li ti iDamasiku li indawo yokuhlala kwalo, ngokuba iso lomuntu, nelemindeni yonke yakwa Israeli li kuye uJehova.

2 NoHamati u ya kukaula kulo; iTire, neZidoni ngokuba li hlakauipile kakulu.

3 Kwa ti iTire la zakela inqaba, la qonga isiliva njengomhlabati, negolide elimbiweyo njengodaka lwezindhlela.

4 Bheka iNkosi yo li xoty'a, i ya kutyaya amandhla alo elwandhle; lona li zo dhliwa umlilo.

5 iAskeloni, li zo bona lesabe; neGeza li tutumele, neEkroni; ngokuba itemba lalo li zo jaba; Inkosi yo buba kulo iGaza, iAskeloni a li yi ku ba nabahleziyo.

6 Ko ti umfokozana wo hlala eAshdodi ngi nquma nokupakama kwaba-Filisti.

7 Ngo susa nezingazi zalo emlonyeni walo, nokunengeka kwalo pakati kwamazinyo alo; kepa yena o seleyo wo ba kuTixo wetu yena, yena wo ba njengombusi eJuda, neEkroni njengomJebusi.

8 Ngi ya kuti ngi mi ngasendhlini yami ngenxa yempi na ngodhlulayo, na ngobuyayo: umhlupi a ka sa yi ku dhulela kubo; ngokuba kaloku ngi bonile ngamehlo ami.

9 Jabula kakulu Ndodakazi ya seZioni; memeza Ndodakazi ya seJerusalema; bheka, iNkosi yakho i yeza kuwe; i lungile, i ya kusindiswa yona; i zitobile, i kwele embongolweni, na setoleni lembongolokazi.

10 Ngi ya kuti ngi nqume inewele e vele eEfraimi nehashi eli vele eJerusalema, nomeibityelo wokulwa wo nqunywa: Yona yo kuluna ukutula kuzo izizwe; nokubusa kwayo ku ya kuqala elwandhle ku fike elwandhle, no ku suke emfuleni ku finyelele emikaulweni yomhlaba.

11 Kepa wena, ngegazi lovumelwano lwako ngi tumile abatunjwa bako ba pume emgodini o nge namaunzi.

12 Pendukelani ezingqabeni nina abatunjiweyo aba netemba; namhla ngi tyo, ukuti ngo buyisela kuwe ngokwesibili,

13 Umango ba ngi tobisile kimi uJuda, noma ngi ngewalisile umeibityelo ngoEfraimi, noma ngi pakamisile amadodana ako Zioni pezu kwamadodana

ako Javani, noma ngi kwenzile njegekembaba yesiqwaga.

14 Ko ti uJehova wo bonwa pezu kwabo, u ti umsebe wake u pumele nje ngonyazi; iNkosi uJehova wo kalisa itilongo yena, a hamb'e njengesivunguvungu sa seningizimu.

15 uJehova wamabandhla wo ba vikele; bona ba ya kudhla ba nyatele panisi amatye elengisi, ba xokozele ku nga ti li kona iwaini; ba gewalise nemikele nemigumbi yelati.

16 Ko ti uJehova uTixo wabo wo ba sindisa ngalolusuku njengezimvu zabantu bake; ngokuba bo ba njengamatye omqele, be zipakamisa ezweni lake.

17 Ngokuba ku ngakanani ukulunga kwake, u ngakanani nobuhle bake! ukudhla ko kulisa izinsizwa, newaini elitya izintombi.

ISAHLUKO 10.

**C**ELANI kuJehova invula ngesikati semvula esigcinayo; ku nguJehova o wenza izinyazi, yena wo ba nika izihlambi zemvula, ku ilomuntu utyani emhlabatini wake.

2 Ngokuba izitombe zi kulumile ize, nezanusi zi bonile amanga, zi tyelile amapupo akohlisayo; zi ya tokozisa ngeze; ngako ba deda njengomhlambi, ba katazeka, ba ti, A muko umalusi.

3 Ulaka lwami lwa vuta nga kubo abalusi, nga hlupa nezimbuzi; ngokuba uJehova wamabandhla u hambile umhlambi wake abendhlu ka Juda; u benzile njengehashi lake eli namandhla ekulweni.

4 Ku yena kwa puma igumbi, kuye isibetelo, kuye umeibityelo wokulwa, kuye bonke abahlupi kanye.

5 Ku ya kuti ba be njengamaqawe a nyatela odakeni lwezindhlela izita zabo ekulweni ba ya kulwa, ngokuba uJehova u ku bona; ko ti abakweli bamahashi ba jabiswe.

6 Ngo ti ngi qinise indhlu ka Juda, ngi sindise nendhlu ka Josefa, ngi ba hlalise; ngokuba ngi ba haukele; Ko ti ku be njengokuba a ngi zanga ngi ba dela, ngokuba mina Jehova Tixo ngi ya ku bezwa.

7 Ko ti abaEfraimi ba be njengeqawe, inhliziyo yabo yo jabula njengokuba i newaini; abantwana babo bo bona, ba jabule inhliziyo yabo i ya kwetaba kuJehova.

8 Ngi ya kuti ngi ba tyayele umlozi

ngi ba bute; ngokuba ngi ba kululile; ko ti bande njengaloku bandile.

9 Ngo ti ngi ba hlwanyele ebantwini; lapo ba zo ngi kumbula ezindaweni ezikatyana; ba ya kuba kona kanye nabantwana babo, ba buye.

10 Ngi ya kuti ngi ba buyise ezweni la sEgipite, ngi ba bute ba pume eAshuri; ngi ba ngenise ezweni la se-Giladi neLebanoni; ko za ku nga funyanelwa indawo yabo.

11 Ko ti a dabule ulwandhle ngohlupo, a tyaye amaza elwandhle, zi ya kuti izindawo ezijulileyo zomfula zonke zome; ko kwebhliwa ukuzidlhla kwabaAshuri; nentonga e nomsila i dede Egipite.

12 Ngo ti ngi ba qinise kuJehova; ba zihambele egameni lake, ukutyo kuka Jehova.

### ISAHLUKO 11.

**V**ULA Lebanoni iminyango yako ko ti umlilo u dhle imisedare ako.

2 Kala mberoshi ngokuba isedare li wile; ngenxa yokuba izikulu zi eitekile; kalani nina miyela ya seBashani; ngokuba ihlathi eli nokupakama li hlile.

3 Izwi lokukala kwabalusi; ngokuba ubukulu babo bu eitekile; izwi lokubodhla kwezingonyama ezintya; ngokuba ubuhle ba seJordani bu eitekile.

4 Njalo u tyo uJehova uTixo wami; Funza izimvu zokuhlattywa.

5 E zabaninizo ba ya zibulala, kepa a ba funyanwa icala; futi aba tenga ngazo ba ti, U busisiwe uJehova, ngokuba ngi fuyile; nababusi bazo a ba zi pati ngomusa,

6 Ngokuba a ngi sa yi ku ba nomusa kubo abahleziyo bezwe, u tyo uJehova. Bhekake, mina ngo fumanisa abantu ilo ngesandhla somfo wabo, na ngesandhla senkosi yake; bona ba ya kutyaya izwe, kanti a ngi yi ku ba sindisa.

7 Kepa mina ngi ya kuzalusa izimvu zokuhlattywa nga loku, nina zimvu ezihlupekayo. Kwa ti nga zitabatele izintonga ezimbili; enye nga yi biza uBuhle, nenyengwa ngi yi biza uZibopo, nga se ngalusa izimvu.

8 Kwa ti nga nquma abalusi abatatu ngenyanga inye; umpfumlo wami wa hlukana nabo, nompefumlo wabo wa ngi dela.

9 Lapo nga ti, A ngi yi ku nalusa; efayo, ma i fe; e za kunqunywa, ma i

nqunywe; ezisalayo ma zi dhle ile inyama yomngane wayo.

10 Nga se ngi tabata intonga yami, e uBuhle, nga yi nquma, ngapule uvumelwano lwami, e ngi be ngi lu misile nabantu bonke.

11 Kwa ti, lwapulwa nga lolusuku; nga loku ezihlupekayo zezimvu e za ngi konzayo zazi ukuba ku yizwi lika Jehova loku.

12 Lapo nga ti kuzo, Uma kuhle emehlweni enu, ngi nikeni intengo yami; noma ni ti, ca, yekani. Ngako za linganisela inkokelo yami, amashumi amata-tu esiliiva.

13 Lapo uJehova wa ti kimi, Li tyingele kumbumbi; intengo enkulu e nga melwa yona emehlweni azo. Nga se ngi tabata amashumi amatatu esiliiva, nga wa tyingela kumbumbi endhlini ka Jehova.

14 Lapo nga nquma intonga yami yesibili, o ku tiwa uZibopo, ukuze ngapule ukwelamana pakati kweJuda neIsraeli.

15 Wa se e ti kimi uJehova, tabata izikali zomalusi o nobuula.

16 Ngokuba bheka mina ngo vusa unalusi ezweni, o nga yi ku hambela ezisitekileyo, nentya a ka yi ku yi funa, nezapukileyo a ka yi ku zelapa, nezimayozu zi qinile a ka yi ku zondhla; kanti inyama yezinonileyo wo yi dhla, e dwe-ngule izinyawo zazo.

17 Wo kumalusi o ize, o shiya izimvu! inkemba yo ba pezu kwengalo yake, na sesweni lokunene lake; ingalo yake yo buna ngokubusa, neso lokunene lake lo cima impela.

### ISAHLUKO 12.

**O**KUNZIMA kwezwi lika Jehova pezu kweJerusalema, u tyo uJehova o leneka izulu, e sekela umhlaba, e wenza umoya womuntu ngapakati kwake.

2 Bheka mina ngi ya kwenza iJerusalema li be indebe yokututumelisa kubo bonke abantu abahaqayo, ku ya kuza na pezu kweJuda ekvimbezeleni kweJerusalema.

3 Ku ya kuti nga lomhla ngi beke iJerusalema li be itye lomtwalo kubantu bonke; bonke a ba li fukulayo ba za kucobozwa impela, nokuba bonke abantu bezwe ba hlanganiswe nga kulo.

4 Nga lolosuku u tyo uJehova, Ngo tyaya ngokudumaza onke amahashi, nabakweli bawo ngohlanya; ngo ti ngi vule amehlo ami pezu kwendhlu ya se-

Juda, ngi tyaye onke amahashi abantu ngobumpumputi.

5 Ko ti izikulu za seJuda zi ti ezinhliziyweni zazo, Abahleziyo ba seJerusalema ba ukuhlenga kwami nga ye uJehova wamabandhla uTixo wabo.

6 Nga lolosuku ngi ya kubeka izikulu za seJuda njengesitya somlilo pakati kwenyanda; ko ti zi dhle bonke abantu abahaqayo ngesokunene na ngesokohlo: ko ti iJerusalema lakiwe futi enxiweni lalo, eJerusalema.

7 uJehova wo sindisa namatente a seJuda kuqala, ukuze ukukazimula kwendhlu ka Davida, nokukazimula kwabahlezi eJerusalema ku ngabi kubi nga kuJuda.

8 Nga lolosuku uJehova wo hlenga abahleziyo ba seJerusalema; ko ti odangeleyo pakati kwabo a be njengoDavida; nendhlu ka Davida njengoTixo, njengegelosi ka Jehova pambi kwabo.

9 Ku ya kuti nga lomhla, ngi fune ukucita izizwe zonke e zi za pezu kweJerusalema.

10 Ngo ti ngi tele pezu kwendhlu ka Davida, na pezu kwabahleziyo ba seJerusalema umoya wokuhaukela nokucelela; ba zo naka mina aba ngi gwazileyo, ba lilela yena, njengokulilela o yedwa, ba be nosizi njengonosizi pezu kwezibulo.

11 Nga lolosuku ko ba kona ukulila okukulu eJerusalema, njengokulila kweHadadrimoni etafeni la seMegido.

12 Ko ti izwe li lile, imindeni nge-mindeni yodwa; umndeni wendhlu ka Davida wodwa nesifazana sawo sodwa; umndeni wendhlu ka Natani wodwa nesifazana sawo sodwa;

13 Umndeni wendhlu ka Levi wodwa nesifazana sawo sodwa; umndeni wendhlu ka Shimei wodwa nesifazana sawo sodwa.

14 Imindeni yonke eseleyo, umndeni ngomndeni wodwa, nesifazana sayo sodwa.

#### ISAHLUKO 13.

**N**GA lomhla ko vulelwa ukona noku-  
ngcola umtombo kuyo indhlu ka Davida na kwabahleziyo ba seJerusalema.

2 Ku ya kuti na nga lomhla, u tyo uJehova wamabandhla, ukuba ngo nquma amagama ezitombe ezweni, zona a zi sa yi ku kunjulwa; ngo dedisa nabazisi, nomoya abangcolileyo ezweni.

3 Ku ya kuti, ukuba nxa umuntu e sazisa, uyise nonina a ba m zeleyo ba ti

kuye, A u yi ku pila; ngokuba u ya kuluma amanga egameni lika Jehova; ko tike uyise nonina a ba m zeleyo ba m hlabe ekwaziseni kwake.

4 Ku ya kutike nga lomhla, abazisi ba be namahloni ilomuntu ngesibonakalo sake, ekwaziseni kwake; a ba yi kwambata ingubo yoboya bona ukukohlisa.

5 Kanti a ya kuti, A ngi siye umazisi mina, ngi ngumlimi womhlabati; ngokuba umuntu wa tenga ngami ebutyeni bami.

6 Kepa umuntu u ya kuti kuye, Ku ini lamanxeba ezandhleni zako na? Yena u ya kuti, Iwo e nga limazwa ngawo endhlini yezihlobo zami.

7 Vuka Nkemba nga kumalusi, na nga kumuntu e umgani wami, u tyo uJehova wamabandhla; tyaya umalusi, ko ti izimvu zi hlakazwe; ngo pendulela nezandhla zami pezu kwabancane.

8 Ku ya kutike ezweni lonke, u tyo uJehova, ukuba izinxenye ezimbili pakati kwalo zi nqunywe zi qauke; kepa e yesitatu yo sala pakati kwalo.

9 Ngo ngenisa e yesitatu emlilweni belu, ngi yi neibilikise njengokuncibilikiswa kwesiliva, ngi yi linge njengokulingwa kwegolide: Yona yo biza ngegama lami, mina ngi ya ku yi zwa: Ngo ti, Abantu bami yona; Yona i za kuti, uJehova uTixo wami.

#### ISAHLUKO 14.

**B**HEKA usuku luka Jehova lu ye za, ko ti impango yako yahlukaniswe pakati kwako.

2 Ngokuba ngo buta izizwe zonke nga kulo iJerusalema ekulweni, ko ti umuzi u banjwe, ka pangwe nezindhlu, ku pingwe nesifazana; inxenye yomuzi i ya kuya ekutunjweni, kepa insalo yabantu a i yi ku nqunywa emuzini.

3 Ku ya kuti uJehova a pume, a lwe na lezozizwe njengosuku lokulwa kwake ngosuku lokuhlangana.

4 Ko ti izinyawo zake zi me nga lomhla entabeni yemihlwati e nga pambili kweJerusalema ngasempumalanga; intaba yemihlwati yo hlukana yona ngapakati kwayo ngasempumalanga na ngasentyonalanga, si be kona isigodi esikulu kakulu; inxenye yentaba yo sukela ngasenyakato, nenxenye yayo ngaseningizimu.

5 Ko ti ni balekele esigodini sezintaba, ngokuba isigodi sezintaba so finyelela kuAzali; ni zo baleka nina

njengaloku na baleka ngapambi koku-zamazama komhlaba ngezinsuku zika Uzia inkosi yabaJuda; Ko ti uJehova wami a fike, nabayingwele bonke kanye nawe.

6 Ku ya ku tike nga lomhla, ukuba a ku yi ku ba kona ukukanya kwezinkanyiso ezincipileyo.

7 Kanti ko ba kona imini inye e ya-ziwa kuJehova, ku nga bi imini nobu-suku; kepa ko ti ngesikati sokuhlwa ku be kona ukukanya.

8 Ku ya kutike nga lomhla, ukuba amanzi apilileyo a pume eJerusalem, inxenye yawo kulo ulwandhle olu ngapambili, nenxenye yawo kulo ulwandhle olu ngasemuva; ehlobo na se-kwindhla ko ba kona.

9 uJehova yena wo ba iNkosi pezu kwezwe lonke; Nga lomhla wo ba kona uJehova munye, negama lake linye.

10 Izwe lonke lo pendulwa li be nje-ngemfunda ku suke eGeba ku fike eRi-moni eningizimu kweJerusalem; li ya kupakanyiswa, lakiwe endaweni yalo, ku suke esangweni lika Benja-mini ku sendawani yesango lokuqala, ku ze ku be sesangweni legumbi, ku suke enqabeni ka Hananeli ku ze ku fike empongolweni wewaini wenkosi.

11 Ko ti ba hlale kulo, ku nga bi ko futi ukuqedwa impela, kanti iJerusalem li ya kwakiwa ngokwetemba.

12 Ku ya kuti loku ku be ukufa uJehova wo tyaya ngako bonke abantu a ba lwe neJerusalem; u ya kondisa inyama yabo, be semi ezinyaweni zabo, namehlo abo o nebibilikiswa ezimbobweni zawo, nolimi lwabo lo nebibilikiswa emlonyeni wabo.

13 Ku ya kuti nga lomhla, li be kona ivuso elikulu li vele kuJehova pakati

kwabo; ba bambe ilomuntu isandhla somhlobo wake, isandhla sake si pakame nga kuso isandhla somhlobo wake.

14 Wena nawe Juda u ya kulwa eJerusalem; ko butwa ingeebo yezizwe zonke ezizungezayo, igolide, nesiliva nezambato ngokuvama okukulu.

15 Ko ba njaloke ukufa kwehashi, nenjomane, nekameli, nembongolo, nezilwane zonke e zi ya ku ba ematangeni lava, njenga lokukufa.

16 Ko tike, ukuba bonke a ba shiyiwe kuzo zonke izizwe e zeza nga kulo iJerusalem ba kupuke ngeminyaka ukudumisa iNkosi, uJehova wamabandhla.

17 Ku ya ku tike, ukuba laba a ba nga kupuki kuyo imindeni yomhlaba ba ye eJerusalem ukudumisa iNkosi, uJehova wamabandhla, a ku yi ku ba kona invula pezu kwabo.

18 Noma umndeni wa seEgipite o nge namvula a u kupuki, a u zi, ukufa ko ba kona, uJehova a za ku tyaya ngako izizwe e zi nga kupuki ukugeina umbuto wamadokodo.

19 Loku ku ya kuba ukuhlutywa kwa seEgipite, nokuhlutywa kwezizwe zonke e zi nga kupuki ukugeina umbuto wamadokodo.

20 Nga lolusuku ko ba kona emikaleni amahashi UBUNGWELE KUJEHOVA; ko ti amapotwe endhlini ka Jehova o ba njengemikele ngapambi kwelati.

21 Ko ti amapotwe onke eJerusalem na seJuda a be ubungwele kuJehova wamabandhla; bona bonke a ba hlabelayo ba ya kuza, ba tabate kuwo, ba peke kuwo: kepa a sa yi ku ba kona umKanani endhlini yika Jehova wamabandhla nga lomhla.

## INCWADI KA MALAKI.

### ISIAHLUKO 1.

**O**KUNZIMA kwezwi lika Jehova ku-Israeli ngesandhla sika Malaki.

2 Ngi be ngi ni tanda, u tyo uJehova. Kepa ni ti nina, U be u si tanda ngani na? Po uEsau a si ye umfo wabo ka Jakobe na? u tyo uJehova: kodwa nga be ngi tanda uJakobe.

3 Kanti nga be ngi zonda uEsau, ngi

bekile intaba yake i be incitakalo, nenxenye yake i be kuzo izimpungutye zehlanc.

4 Ngokuba abakwaEdomi, ba ti, Tina si citakele, kepa so buya sake izincitakalo; njalo u tyo uJehova wamabandhla; Bona ba ya kwaka, kanti mina ngo diliza; Ko ti ba ba bize icala lobubi, abantu uJehova u ba tukutelele ku ze ku be pakade.

5 Ko ti amehlo enu a bone, ni ti nina, uJehova u ya kukuliswa emikaulweni yabaIsraeli.

6 Indodana i ya dumisa uyise, nenceku inkosi yayo; kepa uma ngi uyise, kupi ukudunyiswa kwami? noma ngi inkosi, kupi ukwesatywa kwami na? u tyo uJehova wamabandhla kinina, bateleli, aba dela igama lami. Kepa ni ti, Si delile igama lako ngani na?

7 Ngokunikela isinkwa esingcolileyo elatini lami; na lapo ni ti, Si ku ngeolile ngani na? na ngokuti kwenu, Itebula lika Jehova li ya deleleka.

8 Noma ni nikela epuputekayo ekuhlattyweni, a ku kubi na? noma ni nikela equgayo negulayo a ku kubi na? Kaloku, Yi yise kumbusi wako, wo tokoza ngawe, noko wo bankela ubuso bako na? u tyo uJehova wamabandhla.

9 Kaloku pela ma ni kuleke ebusweni buka Tixo a si haukele; loku ku be ngesandhla senu; wo bankela ubuso benu na? u tyo uJehova wamabandhla.

10 Ubani kinina o nga vala nje iminyango? nina a ni baseli ize elatini lami. A ngi nakutokoza kini u tyo uJehova wamabandhla, a ngi yi kwamkela isipo esandhleni senu pela.

11 Ngokuba ku suke ekupumeni kwelanga ku ze ku be sekutyoneni kwalo, igama lami li ya kuba likulu ezizweni; nasezindaweni zonke ko nickelwa impepo kulo igama lami, nesipo esihlanzekileyo: ngokuba igama lami lo ba likulu ezizweni, u tyo uJehova wamabandhla.

12 Kanti nina ni lona igama lami ngokutyo kwenu ukuti, Itebula leNkosi li ngolile, nesitelo salo, e si ukudhla kwake, si ya deleleka.

13 Ni tyo nokuti, Bheka, Li inkatazo engaka! ni li futele nina, u tyo uJehova wamabandhla; ni letile edwenguliweyo, nequgayo, negulayo; na leta umnikelo onje; nga ngi kwamkela loku esandhleni senu na? u tyo uJehova.

14 Kepa ka qalekiswa umkohlisi o nedna emhlambini wake, a funge a nikele iNkosi into engahlanzeki; ngokuba ngi iNkosi enkulu u tyo uJehova wamabandhla, negama lami li yesabeka ezizweni.

#### ISAHLUKO 2.

**K**ALOKUKE lesisiyalezelo si kinina, bateleleli.

2 Uma ni nga vumi ukuzwa, noma ni nga ku beki enhliziyweni, ukunika udumo kulo igama lami, u tyo uJehova

wamabandhla, ngo tuma pela isiqalekiso pezu kwenu, ngi qalekisa izibusiso zenu; yebo se ngi zi qalekisiile, ngokuba a ni ku beki enhliziyweni.

3 Bheka, mina ngo nqabela imbeu kinina, ngi hlakaze amanyala pezu kobuso benu, amanyala amadili enu, ko ti umuntu a ni suse kanye nawo.

4 Ni ya kwazi nina ukuba ngi tumile kini lesisiyalezelo, ukuze uvumelwano lwami lu be kuLevi, u tyo uJehova wamabandhla.

5 Uvumelwano lwami lwa ba kuye lokupila no lokutula; nga ni nika kona ku be ngokwesaba wa ngesaba yena, wa kotamela pambi kwami.

6 Umfazi weqiniso u be semlonyeni wake, ububi a bu tolwanga ezindebeni zake; wa hanba nami ngokutula, na ngokulungisa, wa pendula abaningi ebusweni.

7 Ngokuba izindebe zomteteleli nga zi geina ukwazi, nga ba funa nomfazi emlonyeni wake; ngokuba u isigijimi sika Jehova wamabandhla yena.

8 Kepa nina ni pambukile endhleleni; ni kubekisiile abaningi emtetweni; ni citile uvumelwano luka Levi, u tyo uJehova wamabandhla.

9 Kantike mina ngi nenzile ni delelwe, ni totiyiswe kubantu bonke, nje ngokuba a ni geinanga izindhlela zami, namkela ubuso emtetweni.

10 A ngi ti si noBaba munye tina sonke na? a si ye uTixo munye o si dalileyo na? Yini ukuba si kohlisane ilomuntu nomzalwana wake, ukwapula uvumelwano lobaba betu na?

11 uJuda u kohlisile, ku ti okunengekayo kwenziwe eIsraeli na seJerusalema; ngokuba uJuda wapulile oku ingewele kuka Jehova a ku tandayo u zi lahlike wa tata indodakazi yotixo ongaziwayo.

12 uJehova wo nquma umuntu o kwenzayo loku, ovusayo nependulayo ematenteni ka Jakobe, noma e nikela isipo kuJehova wamabandhla.

13 Na loku ni kwenzile kabili, na sibekela ilati lika Jehova ngezinyembezi, nokulila, nokukala ku ze ku be kona uku nga si naki isipo, noku ngamkeli ngentokoza ezandhleni zenu.

14 Kepa ni ti, Ngani na? Ngokuba uJehova u be ufakazi pakati kwako nomfazi wobutya bako, o m kohlisileyo wena; noko yena u ohlanganiselweyo wako, u umfazi wovumelwano lwako.

15 Kepa a kenzanga munye na? insalo yomoya i kuye nayo; Po, u be munye ngani na? wa e funa inzalo ka Tixo. Ngako lindani umoya wenu, ma ka nga m kohlisi umfazi wobutya bako noyedwa wenu.

16 Ngokuba u ya zonda ukulahla, u tyo uJehova uTixo wa seIsraeli, u ya sibekela nohlupo ngokwambata kwake, u tyo uJehova wamabandhla: ngako lindani umoya wenu, ni nga kohlisi.

17 Ni katazile uJehova ngamazwi enu; kepa ni tyo ukuti, Si m katazile ngani na? uma ni tyo ukuti, Bonke, ilo o wenza kabi u lungile emehlweni ka Jehova, u ya tokoza ngabo yena; noko, U pi uTixo wokwahlula na?

### ISAHLUKO 3.

**B**HEKA, mina ngo tuma isitunywa sami, a lungise indhlela pambi kwami, ku ya kuti iNkosi e ni yi funayo yo fika i zuma, i ti isitunywa sovumelwano e ni si fisayo; bheka, si yeza u tyo uJehova wamabandhla.

2 Kepa ubani a nga lu hlalela usuku lokuza kwaso, ubani a ngema na sekubonakaleni kwaso, ngokuba sona si njengomlilo woncibilikisayo, njengomhlahloti wabahlanzi.

3 Ko ti si hlale njengoncibilikisayo nonlanzisayo wesiliva; sona si ya kuhlanzisa amadodana ka Levi, si wa cwe ngise njengegolide nesiliva, a be kuJehova, a nikele umnikelo ngokulunga.

4 Lapo umnikelo kaJuda neJerusalem wo ba mnandi kuJehova njengasezi nsukwini zamandulo, na seminyakeni e dhlulileyo.

5 Ngi ya kuti ngi sondele kini ku be ngokwahlula, ngi be ufakazi otyetyayo nga kubo abangoma, nabapingi, nabafungela amanga, nabamuka inkokelo yokokelwayo, nomfelokazi nenkedama, naba paubukisa umfokazi, nabo a ba ngesabi, u tyo uJehova wamabandhla.

6 Ngokuba mina ngi nguJehova, a ngi penduki, ngako nina madodana ka Jakobe a ni qedwa.

7 Ku suke emihleni ya oyihlo ni dedile emitetweni yami, ni nga i laleli. Buyelani kimi, ngo ti ngi buyele kini, u tyo uJehova wamabandhla; kauti ni ti, So buyela ngani na?

8 Umuntu u ya kweba kuTixo ini? nebile kimi, noko ni ti, Sebile kuwe ngani na? Ngokweshumi na ngemini nikelo.

9 Ni tukiwe ngesituko, ngokuba nebile kimi, nina sizwe sonke.

10 Ngenisani okweshumi konke endhlini yenyango, ku be kona ukudhla endhlini yami, ni ngi linge pela nga loku, u tyo uJehova wamabandhla, uma ngi nga yi ku ni vulela izibuko zezulu, ngi ni telele ubusiso, ku ze ku be ukupela kokuningi.

11 Ngi ya kuti ngi kuze odhlayo ngenxa yenu, a ka yi ku qeda ukudhla komhlabati wenu, nevini lenu a li yi ku puta endhle, u tyo uJehova wamabandhla.

12 Ko ti izizwe zonke zi ti ni busisiwe, ngokuba ni ya kuba izwe elitokozisayo, u tyo uJehova wamabandhla.

13 Amazwi enu a be lukuni nga kimi, u tyo uJehova; noko ni ti Si kulumeni nga kuwe na?

14 Ni tyilo ukuti, Ku ize ukukonza uTixo; ku inzuzoni uma si geinile iziyalezelo zake, noma si hambile ngokwesililo pambi kuka Jehova wamabandhla na?

15 Kalokuke tina si ti ba busisiwe abakumeleyo; bakiwe pela bona a benza okubi; ba ya zisindisa bona a ba m lingayo uTixo.

16 Lapo bona a ba m esabayo uJehova ba be be kuluma umuntu kumngane wake; kwa ti uJehova wa qapela wezwa, ya ti inewadi yokukumbula ya lotyelwa pambi kwake bona a ba m esabayo uJehova, ba kumbula igama lake.

17 Bona ba ya kuba abami, u tyo uJehova wamabandhla ngosuku e ngi yenza ngalo ingeebo yami, ngi ya kuti ngi ba haukele, njengomuntu e haukela indodana yake e m konzayo.

18 Lapo no buya, ni qike pakati komkonzayo uTixo, naye o nga m konziyo.

### ISAHLUKO 4.

**N**NGOKUBA usuku lu yeza olu za ku tyisa njengeziko, ko ti abazidhlayo bonke, nabo bonke a benza kabi ba be njengeziq; usuku oluzayo lo ba tyisa, u tyo uJehova wamabandhla, ukuze lu nga shiyi kubo impande negatya.

2 Kepa kinina e ni lesabayo igama lami ilanga lokulunga li ya kupuna li nokupilisa emapikweni alo; ni ya kupuma, neqa njengamatole esibaya.

3 Nina ni ya kunyatela pansi ababi; ngokuba bo ba umlota pansi kweziqu



## UMALAKI, 4.

zezinyawo zenu ngosuku e ngi ya kwezisa loku ngalo, u tyo uJehova wamabandhla.

4 Kumbulani umteto ka Mosi inceku yami, e nga m yaleza wona eHorebi, u be kubo abaIsraeli bonke, iziyalezelo, nezahlulo.

5 Bhekani ngo tuma kini uElija umazisi nga pambi kokufika kwa lomhla omkulu osabekayo ka Jehova;

6 Yena wo pendula inhliziyo ya oyise kumadodana, nenhliziyi yamadodana kubo oyise funa ngi ze ngi tyaye izwe ngokubujiswa.

797

UKUPELA KWETESTAMENTE ELIDALA.





INCWADI YABANTU BA KWETU.

UKUTYATISA KWABO.

INCWADI YABANTU BA KWETU.

UKUZALWA KWABO.

INCWADI YABANTU BA KWETU.

UKUZALWA KWABO.

INCWADI YABANTU BA KWETU.

UKUFA KWABO.

ITESTAMENTE ELITYA  
LENKOSI NOMSINDISI WETU UJESU KRISTU.

KU KITYWA OLUMINI LWAMAGREKI;

KU LOTYWA NGOKWESIZULU.

---

THE NEW TESTAMENT

OF OUR

LORD AND SAVIOUR JESUS CHRIST;

TRANSLATED OUT OF

THE ORIGINAL GREEK;

INTO THE ZULU LANGUAGE.

---

FOURTH EDITION.

---

NEW YORK:  
AMERICAN BIBLE SOCIETY,  
INSTITUTED IN THE YEAR MDCCCXVI.

---

1883.





# MATEU.

## ISAHLUKO 1.

**I**NCWADI yokuzalwa kuka Jesu Kristu, indodana ka Davida, indodana ka Abrahamama; Luk. 3. 23. Izihl. 132. 11. Isai. 11. 1. Jer. 23. 5. isa. 22. 42. John. 7. 42. Imis. 2. 30. & 13. 23. Rome 1. 3. || Gen. 12. 3. & 22. 18. Gal. 3. 16.

2 uAbrahamama wa zala uIsaka; uIsaka wa zala uJakobe; uJakobe wa zala uJuda nabafo wabo;

Gen. 21. 2, 3. & 25. 26. & 29. 35.

3 uJuda wa zala uFaresi noZara kuTamari; uFaresi wa zala uEsromi; uEsromi wa zala uAramu; Gen. 38. 27-30.

Rute 4. 18-22. 1 Kron. 2. 4-12.

4 uAramu wa zala uAminadaba; uAminadaba wa zala uNasoni; uNasoni wa zala uSalmoua;

5 uSalmona wa zala uBoazi kuRahabi; uBoazi wa zala uObedi, kuRuti; uObedi wa zala uJese;

6 uJese wa zala uDavida inkosi; uDavida inkosi wa zala uSolomona kuyena owa be umka Uria;

1 Sam. 16. 1. & 17. 12. 2 Sam. 12. 24.

7 uSolomona wa zala uRoboama; uRoboama wa zala uAbia; uAbia wa zala uAsa;

1 Kron. 3. 10-14.

8 uAsa wa zala uJosafati; uJosafati wa zala uJorami; uJorami wa zala uOzia;

9 uOzia wa zala uJotami; uJotami wa zala uAhazi; uAhazi wa zala uHezekia;

10 uHezekia wa zala uManasa; uManasa wa zala uAmoni; uAmoni wa zala uJosia;

2 Ama. 20. 21.

11 uJosia wa zala uJekonia nabafo wabo ekutunjweni eBabulona;

1 Kron. 3. 15, 16. 2 Ama. 24. 14, 15, 16. & 25. 11. & 52. 11, 15, 28-30. Dan. 1. 2.

12 Emva kokutunjwa eBabulona, uJekonia wa zala uSalatieli; uSalatieli wa zala uZorobabeli;

1 Kron. 3. 17, 19. Ezra 3. 2. & 5. 2. Neh. 12. 1. Hag. 1. 1.

13 uZorobabeli wa zala uAbiudi; uAbiudi wa zala uEliakimi; uEliakimi wa zala uAzori;

14 uAzori wa zala uSadoki; uSadoki wa zala uAkimi; uAkimi wa zala uEliudi;

15 uEliudi wa zala uElezari; uElezari wa zala uMatani; uMatani wa zala uJakobe;

16 uJakobe wa zala uJosefa, indodana ka Maria, owa zala uJesu o tiwa uKristu.

17 Ku njalo izizukulwane zonke, zi suka kuAbrahamama zi ze zi fike kuDavida, zi izizukulwane ezi ishumi nane; zi suka kuDavida zi ze zi fike ekutunjweni eBabulona, zi izizukulwane ezi ishumi nane; zi suka ekutunjweni eBabulona zi ze zi fike kuKristu, zi izizukulwane ezi ishumi nane.

18 Ukuzalwa kuka Jesu Kristu kwa ba nje; unina uMaria, e se miselwe uJosefa, be nga ka hlangani, wa bonwa e kuleliswe uMoya o ingewele.

Luk. 1. 27. & 1. 35.

19 Kepa uJosefa, indoda yake, umuntu olungileyo, e nga tandi ukumtela ihlazo, wa ba nenhliziyo yokumhlala ngasese. Dut. 24. 1.

20 E sa zindhla loku, ingelosi yeNkosi ya bonakala kuye ngepupo, ya ti, Josefa, indodana ka Davida, u ngesabi ukumtabata uMaria umkako, ngokuba loku aku kulelweyo kuye ku ngokuka Moya o ingewele.

Luk. 1. 35.

21 U ya kuzala indodana, u i qambe igama layo uJesu, ngokuba ku uye o ya kusindisa abantu bayo ezonweni zabo.

Luk. 1. 31. || Imis. 4. 12. & 5. 31. & 13. 23, 38.

22 Loku konke kwenziwa ukuba ku gwaliseke okwa shunayelwa iNkosi ngomprofeti, ukuti,

23 Bheka, intombi i ya kukulelwa i zale indodana, ba ya kuqamba igama layo uEmanueli, oku ukuti, ukukumshelwa, uTixo e nati. Isai. 7. 14.

24 uJosefa, e se vukile ebutongweni, zale njengokuyala kwengelosi yeNkosi, wa tabata umkake.

25 Wa e nga m azi, wa za wa zibula ngendodana, wa qamba igama layo uJesu.

Eks. 13. 2. Luk. 2. 7, 21.

ISAHLUKO 2.

**U**JESU se e zelwe eBetlehema la seJudia, emihleni ka Herodi inkosi, kwa fika eJerusema izazi zi vela empumalanga, zi ti, Luk. 2. 4, 6, 7.

Gen. 10. 30. & 25. 6. 1 Ama. 4. 30.

2 U pi lowo o zelwe e inkosi yabaJuda na? Sa bona inkanyezi yake si sempumalanga, si ze ukukuleka kuye.

Luk. 2. 11. || Imib. 24. 17. Isai. 60. 3.

3 uHerodi inkosi, e ku zwile loko, wa katazeka kanye neJerusema louke.

4 Wa buta bonke abapristi abakulu nababali babantu, wa ba buza ukuba uKristu u ya kuzalwapi.

5 Ba ti kuye, eBetlehema la seJudia; ngokuba ku lotyiwe umprofeti, ukuti,

6 Nawe, Betlehema, lizwe la kwa Juda, a u mucinyane ku nababusi ba kwa Juda; ku ya kuvela kuwe umbusi, o ya kubusa abantu bami abaIsraeli.

Mika 5. 2. John. 7. 42. || Isam. 2. 27.

7 Kona uHerodi, e se zi bizile izazi ngasese, wa zi buzisisa isikati, inkanyezi e ya bonakala ngaso.

8 Wa zi tumela eBetlehema, wa ti, hambani, ni funisise umntwana, ko ti, nxa ni m fumene, ni ze ni ngi tyele, ukuba ngi ye nami, ngi kuleke kuye.

9 Se zi zwile inkosi zemuka; bheka, inkanyezi eza i bona zi sempumalanga, ya hamba pambi kwazo, ya za yema pezu kwa lapo e kona umntwana.

10 Za ti ukubona inkanyezi za tokoza nokutokoza.

11 Za ngena endhlini, za bona umntwana noMaria unina, za kotama, za kuleka kuye; za penya impahla yazo, za m kunga ngezipo, igolide, nenhlaka nemure. Izihl. 72. 10. Isai. 60. 6.

12 Kepa zi yaliwe uTixo ngepupo ukuba zi nga buyeli kuHerodi, zemuka za ya ezweni la kubo ngenye indhlela.

isa. 1. 20.

13 Se zi mukile, bheka ingelosi yeNkosi i ya bonakala kuJosefa ngepupo, ya ti, Suka, u tabate umntwana nonina, u balekele Egipite, u hlale kona, ngi ze ngi ku tyele; ngokuba uHerodi u ya kufuna umntwana, ukuba a m bulale.

14 Wesuka, wa tabata umntwana nonina ebusuku, wemuka wa ya Egipite;

15 Wa hlala kona wa za wa fa uHerodi, ukuba ku gewaliseke okwa shunyayelwa iNkosi ngomprofeti, ukuti Ngi bizile indodana yami i pume Egipite.

Hos. 11. 1.

16 Kona uHerodi, se e bonile ukuti u

be kohlisiwe izazi, wa tukutela kakulu; wa tuma wa bulala abantwana bonke ba seBetlehema, na semazweni onke alo, aba minyaka mibili naba ngapansi, njengesikati a be buzisise izazi ngaso.

17 Kona kwa gewaliseka okwa shunyayelwa uJeremia umprofeti, ukuti, Jer. 31. 15.

18 Kwezwakala eRama izwi lokukala nokulila nokudabuka okukulu; uRakeli e kalela abantwana bake, e nga vumi ukutuliswa, ngokuba be nga se ko.

19 Se e file uHerodi, ingelosi yeNkosi ya bonakala ngepupo kuJosefa Egipite,

20 Ya ti, Suka u tabate umntwana nonina, u ye ezweni la seIsraeli; se be file labo aba be funa ukumbulala umntwana.

21 Wesuka wa tabata umntwana nonina, wa ya ezweni la seIsraeli.

22 Kepa e zwa ku tiwa, uArkelau u inkosi eJudia esikundhleni sika Herodi uyise, wesaba ukuya kona; kwa ti e yaliwe uTixo ngepupo wa cezukela ezweni la seGalile, isa. 3. 13. Luk. 2. 39.

23 Weza wa hlala emzini o tiwa iNazareta, ukuba ku gewaliseke okwa shunyayelwa abaprofeti ukuti, U ya kutiwa umNazareta.

John. 1. 45.

ISAHLUKO 3.

**N**GA leyomihla kwa fika uJohane Umbapatizi, e shumayela ehlane la seJudia.

Mark 1. 4, 15. Luk. 3. 2, 3.

John. 1. 28.

2 Wa ti, Pendukani, ngokuba umbuso wazulu u sondele.

Dan. 2. 44. isa. 4. 17. & 10. 7.

3 Lowo uyena a shumayela ngaye uIsaya umprofeti, e ti, Izwi lomemezayo ehlane lokuti Lungisani indhlela yeNkosi, nenze imendo yayo i qonde.

Isai. 40. 3. Mark 1. 3. Luk. 3. 4. John. 1. 23.

Luk. 1. 76.

4 uJohane lowo wa e nengubo yoboya bekameli, nebande lesikumba okalweni lwake; ukudhla kwake kwa ku izinkumbi, nezinyosi za sendhle.

Mark 1. 6.

2 Ama. 1. 8. Zek. 13. 4. Levi 11. 22.

1 Sam. 14. 25, 26.

5 Kona kwa pumela kuye iJerusalem, neJudia lonke, nezwe lonke la seJordani,

Mark 1. 5. Luk. 3. 7.

6 Ba bapatzizwa uye eJordani, be vuma izono zabo.

Imis. 19. 4, 18.

7 Kepa e bona abaFarisi nabaSadusi abaningi be za ekubapatzizeni kwake, wa ti kubo, Nzalo yezinyoka, ubani o

ni bonise ukuba ni balekele ulaka olu-  
zayo na? isa. 12. 34. & 23. 33.

Luk. 3. 7, 8, 9. || Rome 5. 9. 1 Tes. 1. 10.

8 Vezani izitelo ezi fanele ukupenduka;  
9 Ni nga ziindhli ngokuti, Si noAbra-  
hama ubaba wetu; ngi ti kini, uTixo a  
nga m vesela uAbrahama abantwana  
ku lamatye. John. 8. 33, 39. Imis. 13. 26.

Rome 4. 1, 11, 16.

10 Izembe se li bekiwe empandeni  
yemiti; imiti yonke e nga teli izitelo  
ezilungileyo i ya kunqunywa, i ponswe  
emlilweni. isa. 7. 19. Luk. 13. 7, 9.

John. 15. 6.

11 Mina ngi ya ni bapatiza ngamanzi,  
ni penduke; kepa lowo ozayo emva  
kwami umkulu ku nani; a ngi fanele  
ukupata nezicatulo zake; yena u ya ku-  
nibapatiza ngoMoya o ingewele, na ngo-  
mlilo. Mark 1. 8. Luk. 3. 16.

John. 1. 15, 26, 33. Imis. 1. 5. & 11. 16. & 19. 4.

Isai. 4. 4. & 44. 3. Mal. 3. 2. Imis. 2. 3, 4.

1 Kor. 12. 13.

12 Osihlungo sake si sesandhleni sake,  
u ya kuwelisisa amabele ake, a wa  
butele endhlini, a tyise amakoba ngo-  
mlilo ongacimekiyo. Mal. 3. 3. & 4. 1.

isa. 13. 30.

13 Kona uJesu e vela eGalile weza ku-  
Johane eJordani, ukuba a bapatizwe  
uye. Mark 1. 9. Luk. 3. 21. isa. 2. 22.

14 Kepa uJohane wa m alela, e ti,  
Imina engi fanele ukubapatizwa uwe,  
wena u za kimi na?

15 uJesu wa pendula wa ti kuye,  
Vuma kaloku, ngokuba ku fanele si  
gewalise ukulunga konke; kona wa m  
vumela.

16 uJesu, se e bapatizwe, wa kupuka  
masinyane enanzini, izulu la m vule-  
kela, wa bona uMoya ka Tixo ehla, ku-  
gati ijuba, e za pezu kwake. Mark 1. 10.

Isai. 11. 2. & 42. 1. Luk. 3. 22. John. 1. 32, 33.

17 Bheka, kwa fika izwi li vela ezu-  
lwini, li ti, Lo u indodana yami etandi-  
weyo, engi kolwa iyo. John. 12. 28.

Izihl. 2. 7. Isai. 42. 1. isa. 12. 18. & 17. 5.

Mark 1. 11. Luk. 9. 35. Ef. 1. 6. Kol. 1. 13.

2 Pet 1. 17.

#### ISAHLUKO 4.

**K**ONA uJesu wa holelwa uMoya ehla-  
ne, ukuba a lingwe uSatani.

Mark 1. 12, 13. Luk. 4. 1-13. || 1 Ama. 18. 12.

Hez. 3. 14. & 8. 3. Imis. 8. 39.

2 Se e zile ukudhla izinsuku ezi ma-  
shumi amane, nobusuku obu mashumi  
amane, wandu kulamba.

3 Kwa fika unlingi kuye, wa ti, Uma  
u iNdodana ka Tixo, yityo ukuba la-  
matye a be izinkwa.

4 Wa pendula wa ti, Ku lotyiwe uku-  
ti, Umuntu a nge pile ngesinkwa sodwa,  
u pila ngamazwi onke a puma emloyeni  
ka Tixo. Dut. 8. 3.

5 Kona uSatani wa m yisa emzini  
ongwele, wa m misa esiqongweni se-  
tempeli, Neh. 11. 1, 18. Isai. 48. 2. & 52. 1.

isa. 27. 53. Isam. 11. 2.

6 Wa ti kuye, Uma u iNdodana ka  
Tixo, ziponse pansi ngokuba ku lotyiwe  
ukuti, U ya kuyala izingelosi zake nga-  
we, zi ku pate ngezandhla, u nga quzu-  
leki ngonyawo etyeni. Izihl. 91. 11, 12.

7 uJesu wa ti kuye, Futi ku lotyiwe  
ukuti, U nga lingi iNkosi, uTixo wako.

Dut. 6. 16.

8 uSatani wa buya wa m yisa entabeni  
ende kakulu, wa m bonisa imibuso  
yonke yezwe, nobukosi bayo:

9 Wa ti kuye, Ngo ku nika loku ko-  
nke, uma u kotama u kuleka kimi.

10 Kona uJesu wa ti kuye, Suka, Sa-  
tani; ku lotyiwe ukuti, Wo kuleka  
eNkosini uTixo wako, u m konze yena  
yedwa. Dut. 6. 13. & 10. 20. Josh. 24. 14.

1 Sam. 7. 3.

11 Kona uSatani wa m shiya, kwa  
fika izingelosi, za m konza. Heb. 1. 14.

12 uJesu se e zwile ku tiwa, uJohane  
u nikelwe ekubotyweni, wesuka wa ya  
eGalile. Mark 1. 14. Luk. 3. 20. & 4. 14, 31.

John. 4. 43.

13 Wemuka eNazareta, weza wa hlala  
eKapernaume, nga selwandhle, ezweni  
la kwa Zabaluna nela kwa Naftali:

14 Ukuba ku gewaliseke okwa shu-  
nyayelwa uIsaya umprofeti ukuti,

15 Izwe la kwa Zabaluna, nezwe la  
kwa Naftali, endhleleni ya selwandhle,  
pesheya kwe Jordani, iGalile lezizwe:

Isai. 9. 1, 2.

16 Abantu aba be hlezi ebumnyameni  
ba bonile ukukanya okukulu, nakwaba  
be hlezi ezweni na setunzini lokufa ku  
pumele ukukanya. Isai. 42. 7. Luk. 2. 32.

17 Kona uJesu wa qala ukushumayela  
nokuti Pendukani, ngokuba umbuso  
wezulu u sondele. Mark 1. 14, 15.

isa. 3. 2. & 10. 7.

18 uJesu e sa hamba nga selwandhle  
lwa seGalile, wa bona izelamani ezibili  
uSimone o tiwa uPetro, noAndrea umfo  
wabo, be ponsa ineta elwandhle be nga-  
balobi. Mark 1. 16, 17, 18. Luk. 5. 2.

John. 1. 42.

19 Wa ti kubo, Ngi landeleni; ngi ya kunenza ni be abalobi babantu.

Luk. 5. 10, 11.

20 Besuka masinyane, ba shiya amaneta, ba m landela. Mark 10. 28. Luk. 18. 28.

21 Se e qubekile, wa bona ezinye izelamani ezibili, uJakobe ka Zebedi noJohane umfo wabo be semkunjini kanye noZebedi uyise, be lungisa amaneta abo: wa ba biza. Mark 1. 19, 20. Luk. 5. 10.

22 Besuka masinyane, ba shiya umkumbi noyise, ba m landela.

23 uJesu wa hamba ezweni lonke la seGalile, e fundisa ezindhlini zokusonta, wa shumayela ivangeli lombuso, wa ba pilisa abantu izifo zonke, nokugula konke. isa. 9. 35. Mark 1. 21, 39. Luk. 4. 15, 44. || isa. 24. 14. Mark 1. 14. & 1. 34.

24 Udumo lwake lwezwakala ezweni lonke la seSiria; ba leta kuye abagulayo bonke, aba kwelwe izifo nezihlupeko eziningi, naba namademone naba namabungane, naba namaparalio; wa ba pilisa.

25 Kwa m landela abantu abaningi, be vela eGalile, na seDekapoli, na seJerusalem, na seJudia, na ngapesheya kweJordani. Mark 3. 7.

### ISAHLUKO 5.

**S**E e bonile isixuku, wenyukela entabeni; e hlala pansu, abafundi bake beza kuye. Mark 3. 13.

2 Wa vula umlomo wake, wa ba fundisa, e ti,

3 Ba busisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu u ngowabo.

Luk. 6. 20. || Izihl. 51. 17. Amazwi 16. 19. & 29. 23. Isai. 57. 15. & 66. 2.

4 Ba busisiwe abakalayo, ngokuba ba ya kutokoziswa. Isai. 61. 2, 3. Luk. 6. 21. John. 16. 20. 2 Kor. 1. 7. Isam. 21. 4.

5 Ba busisiwe abamnene, ngokuba ba ya kudhla ifa lezwe. Izihl. 37. 11. Rome 4. 13.

6 Ba busisiwe abalambele bomele ukulunga, ngokuba ba ya kusuta.

Isai. 55. 1. & 65. 13.

7 Ba busisiwe aba nesihau, ngokuba ba ya kuhaukelwa. Izihl. 41. 1. isa. 6. 14. Mark 11. 25. 2 Tim. 1. 16. Heb. 6. 10.

Jak. 2. 13.

8 Ba busisiwe abamhlope ngenhliziyo, ngokuba ba ya kubona uTixo.

Izihl. 15. 2. & 24. 4. Heb. 12. 14.

1 Kor. 13. 12. 1 John. 3. 2, 3.

9 Ba busisiwe abalamulayo, ngokuba ba ya kutiwa abantwana baka Tixo.

10 Ba busisiwe abahlutywa ngokulu-

nga, ngokuba umbuso wezulu u ngowabo. 2 Kor. 4. 17. 2 Tim. 2. 12. 1 Pet. 3. 14.

11 Ni busisiwe nxa be ni tuka, ba ni hlupe; ba ni qambele okubi konke ngami. Luk. 6. 22. 1 Pet. 4. 14.

12 Jabulani, ni tokoze, ngokuba umvuzo wenu umkulu ezulwini; ba hlupa njalo abaprofeti abananduleleyo.

Luk. 6. 23. Imis. 5. 41. Rome 5. 3. Jak. 1. 2. 1 Pet. 4. 13. || 2 Kron. 36. 16. Neh. 9. 26. isa. 23. 34, 37. Imis. 7. 52. 1 Tes. 2. 15.

13 Nina ni usaoti wezwe; kepa uma usaoti e dumele, ko yoliswa ngani na? a u sa fanele luto, kupela ukulahlwa ngapandhle, nokunyatelwa abantu.

Mark 9. 50. Luk. 14. 34, 35.

14 Nina ni ukukanya kwezwe. Umuzi owakiwe entabeni u nge siteke.

Amazwi 4. 18. Fil. 2. 15.

15 A sokelwa isibani, si bekwe pansu kwesitya; si ya fakwa ofini, si ba kanyisele bonke aba sendhlini. Mark 4. 21.

Luk. 8. 16. & 11. 33.

16 Njalo a ku kanye ukukanya kwenu pambi kwabantu, ukuba ba bone imisebenzi yenu elungileyo, ba dumise uYihlo wenu o sezulwini. 1 Pet. 2. 12.

John. 15. 8. 1 Kor. 14. 25.

17 Ni nga ti, ngi ze ukucita umteto nabaprofeti; a ngi zanga ukucita, ngi ze ukugewalisa. Rome. 3. 31. & 10. 4. Gal. 3. 24.

18 Ngi qinisile ngi ti kini, ku nga ka dhluli izulu nomhlaba, ku nge dhluli ibalana li linye, nesicatyana si sinye somteto, ku ze kwenziwe konke.

Luk. 16. 17.

19 Owapula u be munye ku lemiyalo emncinyane, a fundise abantu okunjalo, u ya kutiwa omncinyane embusweni wezulu, kepa o yenza a i fundise, lowo u ya kutiwa omkulu embusweni wezulu. Jak. 2. 10.

20 Ngi ti kini, uma ukulunga kwenu ku nga dhluli okwababali nokwaba-Farisi, ni nge ngene embusweni wezulu.

Rome 9. 31. & 10. 3.

21 Ni zwile kwa tiwa kwabendulo, U nga bulali; obulalayo wo ba necala lokulahlwa. Eks. 20. 13. Dut. 5. 17.

22 Kepa mina ngi ti kini, Lowo otukutelela umfo wabo ngeze, wo ba necala lokulahlwa; notyoyo kumfo wabo ukuti, Silima, wo ba necala empakatini; notyoyo ukuti, Siula, wo ba necala lokulahlwa egehena lomlilo. 1 John. 3. 15.

23 Nxa u nikela umnikelo wako elatini, u sa kumbula lapo ukuba u necala kumfo wenu; isa. 8. 4. & 23. 19.

24 Shiya lapo umnikelo wako pambi kwelati, qala u ye, u buyisane nomfo wenu, kona u ya kuza, u nikele umnikelo wako.

25 Tyetya u buyisane nokumangalelayo, u se sendhleleni naye, funa okumangalelayo a ku nikele kumahluli, umahluli a ku nikele kulo ipolisa, u fakwe etilongweni.

Amazwi 25. 8. Luk. 12. 58, 59.

26 Ngi qinisile ngi ti kuwe, A u sa yi kupuma kona, u nga ka koki imalana yokupela.

27 Ni zwile kwa tiwa kwabendulo, U nga pingi.

Eks. 20. 14. Dut. 5. 18.

28 Kepa mina ngi ti kini, Lowo o buka umfazi, a m kanuke, u se pingile naye ngenhliziyo yake.

Jobe 31. 1.

Amazwi 6. 25. Gen. 34. 2. 2 Sam. 11. 2.

29 Uma iso lako lokunene li konisa, li kipe, u li lahle; ngokuba kuhle kuwe, ukuba ku fe li be linye kuwo amalungu ako, ku nokuba umzimba wonke wako u lahlwe egehena.

isa. 18. 8, 9.

Mark 9. 43-47. isa. 19. 12. Rome 8. 13.

1 Kor. 9. 27. Kol. 3. 5.

30 Noma isandhla sako sokunene si konisa, si nqume, u si lahle; ngokuba kuhle kuwe, ukuba ku fe li be linye kuwo amalungu ako, ku nokuba umzimba wonke wako u lahlwe egehena.

31 Kwa ku tyiwo ukuti, O lahla umkake, a'ka m nike inewadi yokwahlukana.

Dut. 24. 1. Jer. 3. 1. isa. 19. 3.

Mark 10. 2-12.

32 Kepa mina ngi ti kini, O lahla umkake, e nge nacala lokupinga u ya m pingisa; noganwa olahliweyo, u ya pinga.

isa. 19. 9. Luk. 16. 18. Rome 7. 3.

1 Kor. 7. 10, 11.

33 Futi ni zwile kwa tiwa kwabendulo, U nga fungi amanga u qinise eNkosini izifungo zako.

isa. 23. 16. Eks. 20. 7.

Levi 19. 12. Imib. 30. 2. Dut. 5. 11. & 23. 23.

34 Kepa mina ngi ti kini, Ni nga fungi nakanye; ni nga fungi izulu; ngokuba li isihlalo sika Tixo.

isa. 23. 16, 18, 22.

Jak. 5. 12. Isai. 66. 1.

35 Ni nga fuugi nomhlaba; ngokuba u isenabelo sake; neJerusalem; ngokuba li umuzi weNkosi enkulu.

Izihl. 48. 2. & 87. 3.

36 U nga li fungi nekanda lako; ngokuba u nakupendula nalunye unwele lu be mhlope, nokuba lu be mnyama.

37 Kepa izwi lenu a li be ukuti, Yebo, yebo, qa, qa. Okudhlula loku ku vela kokubi.

Kol. 4. 6. Jak. 5. 12.

38 Ni zwile kwa tiwa, Iso ngeso, izinyo ngezinyo.

Eks. 21. 24. Levi 24. 20.

Dut. 19. 21.

39 Kepa mina ngi ti kini, Ni nge-melani nokubi; kepa o za kukutyaya esihlatini sokunene, m pendulele nesinye.

Amazwi 20. 22. & 24. 29. Luk. 6. 29.

Rome 12. 17, 19. 1 Kor. 6. 7. 1 Tes. 5. 15.

1 Pet. 3. 9. || Isai. 50. 6. Isihilo 3. 30.

40 No tanda ukukumangalela, a kwamuke ibantyi, m nike nengubo.

41 No ku quba imaili li linye, hamba naye a be mabili.

isa. 27. 32. Mark 15. 21.

42 Mu pe o cela kuwe; u nga m fulateli o tanda ukutyeleka kuwe.

Dut. 15. 8, 10. Luk. 6. 30, 35.

43 Ni zwile kwa tiwa, Wo tanda owakelene nawe, u zonde isita sako.

Levi 19. 18. Dut. 23. 6. Izihl. 41. 10.

44 Kepa ngi ti kini, Tandani izita zenu ni ba busise aba ni tukayo ni ba pate kahle aba ni zondayo, ni ba nxusele aba ni hlebayo, naba ni hlupayo;

Luk. 6. 27, 35. Rome 12. 14, 20. || Luk. 23. 34.

Imis. 7. 60. 1 Kor. 4. 12, 13. 1 Pet. 2. 23. & 3. 9.

45 Ukuba ni be abantwana baka Yihlo o sezulwini; yena u pumisa ilanga lake pezu kwababi nabahle, u nisa invula pezu kwabalungileyo nabangalungile.

Jobe 25. 3.

46 Uma ni tanda aba ni tandayo, ni nomvuzo muni na? a benzi njalo abatelisi na?

Luk. 6. 32.

47 Uma ni bingelela abafu wenu bodwa, ni ba dhlula abanye ngani na? a benzi njalo abezizwe na?

48 Pelelani njengoYihlo o sezulwini u pelele.

Gen. 17. 1. Levi 11. 44. & 19. 2.

Luk. 6. 36. Kol. 1. 28. & 4. 12. Jak. 1. 4.

1 Pet. 1. 15, 16. Ef. 5. 1.

## ISAHLUKO 6.

**Q**ONDANI ni nga teli izipo zenu pambi kwabantu, ukuba ni bonwe ibo; uma ku njalo, a ni namvuzo kuYihlo o sezulwini.

Dut. 24. 13. Izihl. 112. 9. Dan. 4. 27.

2 Kor. 9. 9, 10.

2 Njalo lapo u zi tela izipo, u nga kalisi itilongo pambi kwako, njengabazenzisi benza ezindhlini zokusonta na sezindhleleni, ukuba ba dunyiswe abantu. Ngi qinisile ngi ti kini, ba nomvuzo wabo.

Rome 12. 8.

3 Kepa wena, lapo u zi tela izitelo isandhla sako sokohlo, a si nga kwazi esi kwenzayo esokunene;

4 Ukuze ukupa kwako ku siteke; ko

ti uYihlo o bona ekusitekeni, a ku vuze obala. Luk. 14. 14.

5 Na lapo u kulekayo, u nga bi njengabazenzisi; ngokuba be tanda ukukuleka be mi ezindhlini zokusonta na sekuhlangaueni kwezindhlela, ukuba ba bonwe abantu. Ngi qinisile ngi ti kini, ba nomvuzo wabo.

6 Kepa wena, lapo u kulekayo, ngena endhlini yako, u vale umnyaugo wako, u kuleka kuYihlo o sekusitekeni; ko ti uYihlo o bonayo ekusitekeni a ku vuze obala. 2 Ana. 4. 33.

7 Ekukulekeni kwenu ni nga kulumize njengabezizwe; ba ti bona ba ya kuzwiwa ngokukuluma kwabo okuningi. Unas. 5. 2. 1 Ama. 18. 26, 29.

8 Ma ni nga ba lingisi; uYihlo wenu u ya kwazi eni ku dingayo, ni nga ka celi kuye.

9 Ngako kulekani ni ti, Baba wetu o sezulwini, Ma li hlonitywe igama lako; Luk. 11. 2-4.

10 Umbuso wako ma u ze; Intando yako ma yenziwe emhlabeni njenga sezulwini; isa. 26. 39, 42. Imis. 21. 14. Izihl. 103. 20, 21.

11 U si pe namhla ukudhla kwetu okwaneleyo; Jobe 23. 12. Amazwi 30. 8.

12 U si tetelele amacala etu njengokuba si ba tetelela aba namacala kiti; isa. 18. 21-35.

13 U nga si ngenisi ekulingweni, kodwa u si sindise kokubi; [ngokuba umbuso u ngowako namandhla, nobukosi, ku ze ku be pakade. Amen.] isa. 26. 41. Luk. 22. 40, 46. 1 Kor. 10. 13.

2 Pet. 2. 9. Isaim. 3. 10. || John 17. 15. 1 Kron. 29. 11.

14 Ngokuba uma ni tetelela abantu izono zabo, uYihlo wenu o sezulwini u ya kunitetelela nina. Mark 11. 25, 26. Ef. 4. 32. Kol. 3. 13.

15 Kepa uma ni nga ba teteleli abantu izono zabo, uYihlo wenu a ka yi kunitetelela izono zenu. isa. 18. 35. Jak. 2. 13.

16 Uma ni zila ukudhla, ni nga bi njengabazenzisi, ni nyukumale, ngokuba be sipaza ubuso babo, ukuba ba bonakale kubantu be zila. Ngi qinisile ngi ti kini, ba nomvuzo wabo. Isai. 58. 5.

17 Kepa wena lapo u zilayo geoba ikanda lako, u geze ubuso bako; Rute 3. 3. Dan. 10. 3.

18 Ukuba u nga bonakali kubantu u zila, u bonakale kuYihlo o sekusitekeni, ko ti uYihlo o bona ekusitekeni, a kuvuze obala.

19 Ni nga zibekeleli imfuyo emhlabeni, lapo konayo inundu nokugwala, na lapo ku fohla amasela ebe. Amazwi 23. 4. 1 Tim. 6. 17. Heb. 13. 5. Jak. 5. 1-3.

20 Kodwa ni zibekelele imfuyo ezulwini, lapo ku ngoni inundu nokugwala, na lapo ku nga fohli amasela ebe. isa. 19. 21. Luk. 12. 33, 34. & 18. 22. 1 Tim. 6. 19. 1 Pet. 1. 4.

21 Ngokuba lapa i kona imfuyo yenu, yo ba kona nenhliziyu yenu.

22 Ukukanya komzimba ku iso; njalo uma iso lako lilhle, wo kanya umzimba wonke. Luk. 11. 34, 36.

23 Kepa uma iso lako libi, ko ba manyama umzimba wonke wako. Njalo uma ukukanya oku pakati kwako ku manyama, lobubumnyama bu ngakani!

24 A ku ko muntu o nga konza amakosi amabili; ngokuba u ya kuzonda enye, a tande enye; nokuba a bambelele kwenye, a i dele enye. Ni nge konze uTixo noMamona. Luk. 16. 13. Gal. 1. 10. 1 Tim. 6. 17. Jak. 4. 4. 1 John. 2. 15.

25 Ngaloku ngi ti kini, Ni nga kataleli ukupila kwenu, ukuba ni ya kudhlani, ni ya kupuzani; nomzimba wenu, ukuba ni ya kwambatani. Ukupila a ku dhluli ukudhla na? nomzimba a u dhluli izambato na? Izihl. 55. 22. Luk. 12. 22, 23. Fil. 4. 6. 1 Pet. 5. 7.

26 Bhekani izinyoni zezulu; a zi hlwanyeli, a zi vuni, a zi buteli ezindhlini; kepa uYihlo wenu o sezulwini u ya zondhla. A ni zi dhluli kakulu na? Jobe 38. 41. Izihl. 147. 9. Luk. 12. 24-32.

27 U mupi kini o ngenzelelela ubude bake ingalo inye ngokukatalela na?

28 Ni katalela izambato ngani na; Qondani iminduze ya sendhle, ukumila kwayo; a i sebenzi, a i poti:

29 Kepa ngi ti kini, noSolomona ngokukazimula konke kwake, ka hlobisanga okwayo.

30 Uma uTixo e vunulisa njalo utyani ba sendhle obu kona namhla, ngangomso bu ponswe eziko, a ka yi kunembesaka kakulu nina eni nokukolwa okuncinyane na?

31 Ni nga kataleli ukuti, Si ya kudhlani? Si ya kupuzani? Si ya kwambatani na;

32 Abezizwe ba funisisa konke loku; kepa uYihlo o sezulwini u yazi ukuba ni swele konke loku.

33 Kodwa funani kuqala umbuso ka

Tixo, nokulunga kwake, kona konke ku ya kunezelelwa nina. 1 Ama. 3. 13. Izihl. 37. 25. Mark 10. 30. Luk. 12. 31. I Tim. 4. 8.

34 Ni nga kataleli ingomso: ingomso li ya kukatalela okwalo. Inkatazo yosuku yanele lona.

ISAHLUKO 7.

**N**I nga zindhlekeleli, ukuba ni nga zindhlekelwa. Luk. 6. 37. Rome 2. 1. & 14. 3, 4, 10, 13. 1 Kor. 4. 3, 5. Jak. 4. 11, 12.

2 Ngokuba ngokuzindhlekela eni zindhleka ngako ni ya kuzindhlelwa; na nga lesosilinganisa eni linganiswa ngaso, nani ni ya kulinganiselwa ngaso.

Mark 4. 24. Luk. 6. 38.

3 U bhekelani isibi esi sesweni lomfo wenu u nga boni ugongolo olu sesweni lako na?

Luk. 6. 41, 42.

4 U tyo kanjani kumfo wenu ukuti, A ke ngi kipe isibi esweni lako; bheka, ku kona ugongolo esweni lako?

5 Mzenzisi, qala u kipe ugongolo esweni lako, kona u ya kubonisisa ukukupisa isibi esweni lomfo wenu.

6 Ni nga niki izinja okungeweke; ni nga ponsi amaparele enu pambi kwezingulube, funa zi wa nyatele ngezinyawo zazo, zi buye zi ni hxebule.

Amazwi 9. 7, 8. & 23. 9. Imis. 13. 45, 46.

7 Celani, ni ya kupiwa; funani, ni ya kufumana; gqongqotani, ni ya kuvulelwa. isa. 21. 22. Mark 11. 24. Luk. 11. 9, 10. & 18. 1. John. 14. 13. & 15. 7. & 16. 23, 24.

Jak. 1. 5, 6. 1 John. 3. 22. & 5. 14, 15.

8 Ngokuba lowo ocelayo u yamkeliswa; nofunayo u ya fumana; nogqongqotayo u ya vulelwa. Amazwi 8. 17.

Jer. 29. 12, 13.

9 U mupi umuntu kinina, oku nga ti uma indodana yake i cela isinkwa, a i nike itye na?

Luk. 11. 11, 12, 13.

10 Noma i cela iuhlanzi, a i nike inyoka na?

11 Uma nina, eni nga lungile, nazi ukubapa abantwana benu izipo ezinhle, kakulu uYihlo wenu o sezulwini wo ba pa aba cela kuye okuhle. Gen. 6. 5. & 8. 21.

12 Konke eni tanda ukuba abantu, ba kwenze kini, kwenzeni kubona. Loku ku umteto nabaprofeti. Luk. 6. 31.

Levi 19. 18. isa. 22. 40. Rome 13. 8, 9, 10.

Gal. 5. 14. 1 Tim. 1. 5.

13 Ngenani ngesango elincinyane; li kulu isango, nendhlela i banzi e ya ekubujisweni; be baningi aba ngena ngalo.

Luk. 13. 24.

14 Li ncinyane isango, nendhlela i umcingo e ya ekupileni, ba incozana aba i fumanayo.

15 Nwayani abaprofeti bamanga abeza kini bembatise okwezimvu, kepa ngapakati ba zimpisi cizipangayo. Dut. 13. 3. Jer. 23. 16. isa. 24. 4, 5, 11, 24. Mark 13. 22.

Rome 16. 17, 18. Ef. 5. 6. Kol. 2. 8.

2 Pet. 2. 1, 2, 3. 1 John. 4. 1. || Mika 3. 5.

2 Tim. 3. 5. || Imis. 20. 29, 30.

16 Ni ya kubazi ngezitelo zabo. Ku yakiwa ini izinhlamvu zevini emeveni namakiwane ogaganeni ua?

isa. 12. 33.

Luk. 6. 43, 44.

17 Njalo imiti yonke elungileyo i tela izitelo ezihle; kepa umuti omubi u tela izitelo ezibi.

Jer. 11. 19. isa. 12. 33.

18 Umuti olungileyo u nge tele izitelo ezibi nomuti omubi u nge tele izitelo ezihle.

19 Imiti yonke e nga teli izitelo ezihle i ya nquywa, i ponswe emlilweni.

isa. 3. 10. Luk. 3. 9. John. 15. 2, 6.

20 Njalo ni ya kubazi ngezitelo zabo.

21 A sibo bonke abatyoyo kimi ukuti, Nkosi, Nkosi, aba ya kungena embusweni wezulu; kupela owenza intando ka Baba o sezulwini.

Hos. 8. 2.

isa. 25. 11, 12. Luk. 6. 46. & 13. 25.

Imis. 19. 13. Rome 2. 13. Jak. 1. 22.

22 Baningi aba ya kuti kimi nga lomhla, Nkosi, Nkosi, a si profetanga ini ngegama lako na? na ngegama lako a si kipanga ini amademone na? na ngegama lako a senzanga ini imisebenzi emikulu eminingi na?

Imib. 24. 4.

John. 11. 51. 1 Kor. 13. 2.

23 Kona ngi ya kutyo kubo ukuti, A ngi zanga ngi nazi; sukani kimi, nina abenza okubi.

isa. 25. 12. Luk. 13. 25, 27.

24 Lowo o wezwa lamazwi ami, a wenze, ngo m faniswa nomuntu ohlakanipileyo, owaka indhlu yake edwaleni:

Luk. 6. 47-49.

25 La na imvula, kwa fika uzamcolo, umoya wa vunguza, wa i tyaya leyondhlu; kepa a i wanga, ngokuba i bi sekelwe idwala.

26 Lowo o wezwa lamazwi ami, e nga wenzu, u faniswa nomuntu o isiula, owaka indhlu yake esihlabatini;

27 La na imvula, kwa fika uzamcolo, umoya wa vunguza, wa i tyaya leyondhlu, ya wa, kwa ba kukulu ukuwa kwayo.

28 Kwa ti, uJesu e se qedile lamazwi,

abantu ba mangala ngokufundisa kwa-ke; isa. 13. 54. Mark 1. 22. & 6. 2. Luk. 4. 32.

29 Ngokuba wa ba fundisa njengonamandhla, ku nge njengababali.

John. 7. 46.

ISAHLUKO 8.

**E** SEUKILE entabeni, abantu abaningi ba m landela.

2 Kwa fika o ilepero, wa kuleka kuye, e ti, Nkosi, uma u tanda u nga ngi hlambulula. Mark 1. 40-44. Luk. 5. 12-14.

3 uJesu wa selula isandhla sake, wa m pata, e ti, Ngi ya tanda; hlambululeka. Wa hlambululeka masinyane ubulepero bake.

4 uJesu wa ti kuye, Bheka, u nga tyeli umuntu; hamba u ye u zibonakalise kumpristi, u yise umnikelo, a u yalelayo uMose, ku be ukuqinisa kubo. isa. 9. 30. Mark 5. 43. Levi 14. 3. 4, 10. Luk. 5. 14.

5 uJesu e se ngenile eKapernaume, kweza kuye induna yekulu i m ncenga, Luk. 7. 1-10.

6 I ti, Nkosi, incek u yami i lele ekaya i nobuparalio, i hlupeka kakulu.

7 uJesu wa ti kuyo, Ngi ya kuza, ngi i pilise.

8 Induna yekulu ya pendula, ya ti Nkosi a ngi fanele ukuba u ngeni endhlini yami; yityo izwi nje, incek u yami i ya kupila. Luk. 15. 19, 21. Izihl. 107. 20.

9 Nami ngi umuntu o pansi kwamakosi, ngi namabuto a pansi kwami; ngi ti kulo, Hamba, a hambe; ngi ti na komunye, Woza, eze; ngi ti na senekwini yami, Yenza loku, i kwenze.

10 uJesu e zwa loku, wa mangala, wa ti kwabamlandelayo, Ngi qinisile ngi ti kini, a ngi zanga ngi fumane ukukolwa okungaka na kwa Israeli.

11 Ngi ti kini, Abaningi ba ya kuza, be vela empumalanga, na sentyonalanga, ba cambalale noAbraham noIsaka, noJakobe, embusweni wezulu; Gen. 12. 3. Isai. 2. 2, 3. & 11. 10. Mal. 1. 11. Luk. 13. 29. Imis. 10. 45. & 11. 18. & 14. 27.

Rome 15. 9-12. Ef. 3. 6.

12 Kepa abantwana bombuso ba ya kulahlilewa ebumnyameni obungapandhle; ko ba kona ukukala nokugedhla amazinyo. isa. 21. 43. & 13. 42, 50. & 22. 13. & 24. 51. & 25. 30. Luk. 13. 28. 2 Pet. 2. 17.

Jude 13.

13 uJesu wa ti enduneni yekulu, Hamba, a ku be kuwe njengokukolwa kwako. Incek u yayo ya pila kona ngaleso sikati.

14 uJesu wa ngena endhlini ka Petro, wa bona unkwekazi wake e lele, e nomkuhlane. Mark 1. 29-34. Luk. 4. 38-40.

1 Kor. 9. 5.

15 Wa pata isandhla sake, umkuhlane wa m yeka; wesuka wa ba kona.

16 Kusihlwa ba leta kuye abaningi abanamademone; wa kipa omoya ngezwi, wa ba pilisa bonke abagulayo;

17 Ukuze ku gwaliseke okwa shunyayelwa uIsaya umprofeti ukuti, Wa tabata izifo zetu, wa twala nokugula kwetu. Isai. 53. 4. 1 Pet. 2. 24.

18 uJesu e bona abantu abaningi be m haqa, wa tyo ukuba ku mukelwe ngapesheya.

19 Kwa fika umbali, wa ti kuye, Mfundisi, ngo ku landela lapo u ya kona.

Luk. 9. 57-60.

20 uJesu wa ti kuye, Izimpungutye zi nemigodi, izinyoni zezulu zi nezindhlu, kepa iNdodana yomuntu a i nandawo e nga camela kuyo.

21 Omunye kubafundi bake wa ti kuye, Nkosi, ngi vumele ngi ye ngi mbele ubaba kuqala. 1 Ama. 19. 20.

22 uJesu wa ti kuye, Ngi landele; u yeke abafileyo, ba mbele abafileyo babo.

23 E se ngeni emkunjini, abafundi bake ba m landela.

24 Bheka kwa fika isipepo esikulu elwandhle, umkumbi wa gutyuzelwa amaza; kodwa yena wa e lele.

Mark 4. 37-41. Luk. 8. 23-25.

25 Abafundi bake beza kuye, ba m vusa, ba ti, Nkosi, si sindise, sa fa.

26 Wa ti kubo, Nesaba ngani, nina ba nokukulwa okuncinyane? Kona wesuka wa kuza umoya nolwandhle, kwa ba kona ukutula okukulu.

Izihl. 65. 7. & 38. 9. & 107. 29.

27 Kepa abantu ba mangala, ba ti, Umuntu onjani lo, loku u lalelwa umoya nolwandhle?

28 Se e fikile ngapesheya, ezweni lamaGergesi, wa hlangebuzwa abantu ababili abanamademone, be vela ematuneni, be nolaka olukulu, kwa ku nge dhlule muntu nga leyondhlela.

Mark 5. 1-17. Luk. 8. 26-37.

29 Ba memeza ba ti, Si nani kuwe, Ndodana ka Tixo? U ze lapa ukusihlupa, si nga ka fiki isikati na?

30 Kwa ku kona kude nabo umhlambi wezingulube eziningi, zi dhla.

31 Amademone a m ncenga, a ti, Uma u si kipa, si vumele, si sukele emhlambini wezingulube.



32 Wa ti kuwo, Yiyani. A puma a su-  
kela emhlambini wezingulube. Umhla-  
mbi wonke wezingulube wa gijimela  
elwandhle ngasesiweni, wa fa emanzini.

33 Aba be zalusa ba baleka, ba ya  
emzini, ba bika konke, na loko okwe-  
hlela aba namademone.

34 Kona umuzi wonke wa puma uku-  
mhlangabeza uJesu; be sa m bona, ba  
m neenga ukuba a muke ezweni la  
kubo. Dut. 5. 25. 1 Ama. 17. 18. Luk. 5. 8.  
Imis. 16. 39.

ISAHLUKO 9.

**W**A ngena emkunjini, wa wela, weza  
emzini wa kubo. isa. 4. 13.

2 Ba leta kuye umuntu o iparalio, e  
lele embedeni. uJesu e bona ukukolwa  
kwabo, wa ti ko iparalio, Mtanami,  
yima isibindi, u tetelelwe izono zako.

Mark 2. 3. Luk. 5. 18. isa. 8. 10.

3 Kona ababali abatile ba kuluma be  
ti, Lo u ya ganga.

4 uJesu e kwazi ukuzindhla kwabo,  
wa ti, Ni zindhlelani okubi ngezinhli-  
ziyo zenu na? Izihl. 139. 2. isa. 12. 25.  
Mark 12. 15. Luk. 5. 22. & 6. 8. & 9. 47. & 11. 17.

5 Ukupi okulula, ukuti, U tetelelwe  
izono zako; nokuti, Suka, u hambe  
na?

6 Kepa ukuze nazi ukuba iNdodana  
yomuntu i namandhla emhlabeni oku-  
tetelela izono, wa ti ko iparalio, Suka,  
u tabate umbede wako, u ye endhlini  
yako.

7 Wesuka wa ya endhlini yake.

8 Abantu be ku bona, ba mangala, ba  
m dumisa uTixo o nike abantu ama-  
ndhla a ngaka.

9 uJesu e sa dhlula lapo, wa bona  
umuntu e hlezi endaweni yokutela  
imali, o tiwa uMateu, wa ti kuye, Ngi  
landele. Wesuka, wa m landela.

Mark 2. 14. Luk. 5. 27.

10 Kwa ti e se cambalele ekudhlini  
endhlini, kwa fika abaningi abatelisi  
nezoni, ba cambalala noJesu nabafundi  
bake.

Mark 2. 15-17. Luk. 5. 29-32.

11 Abafarisi be bona loko, ba ti ku-  
bafundi bake, Ini ukuba umfundisi we-  
nu a dhle nabatelisi nezoni na?

isa. 11. 19. Luk. 5. 30. & 15. 2. Gal. 2. 15.

12 uJesu e zwile, wa ti kubo, Abapili-  
leyo a ba dingi inyanga; abagulayo  
bodwa.

13 Hambani ni funde ukuba ku tini  
loku, ukuti, Ngi ya tanda isisa, a ngi  
tandi iminikelo, a ngi ze ukubiza aba-

lungileyo; ngi ze ukubiza izoni zi pe-  
nduke. Hos. 6. 6. Mika 6. 6, 7, 8. isa. 12. 7.

1 Tim. 1. 15.

14 Kona kwa fika kuye abafundi baka  
Johane, ba ti, Ini ukuba si zile ukudhla  
futifuti, tina nabaFarisi, be nga zili aba-  
fundu bako na?

Mark 2. 18-22.

Luk. 5. 33-38. & 18. 12.

15 uJesu wa ti kubo, Abayeni ba nga  
kala ini umyeni e se nabo na? Kodwa  
ku za kufika izinsuku, lapo umyeni e  
ya kususwa kubo, bandu kuzila.

John. 3. 29. Imis. 13. 2, 3. & 14. 23. 1 Kor. 7. 5.

16 A ku ko muntu o beka isiziba esi-  
tya engutyeni endala; loku isiziba esi-  
njalo si nga hxebula ingubo, kwande  
ukuhxebuka.

17 Njalo a ku telwa iwaini elitya ezi-  
mvabeni ezindala; ku nga ti izimvaba  
zi qume, iwaini li eiteke, izimvaba zo-  
nakale; kodwa iwaini elitya li telwa  
ezimvabeni ezintya, ku londeke koku-  
bili.

18 E sa kuluma loku kubo, kwa fika  
umbusi, wa kuleka kuye, wa ti, Indoda-  
kazi yami se i file; kepa wo za, u beke  
isandhla sako pezu kwayo, i za kupila.

Mark 5. 22-43. Luk. 8. 41-56.

19 Wesuka uJesu wa m landela, naba-  
fundu bake.

20 Umfazi owa be nesifo sokopa igazi  
iminyaka e ishumi nambili, weza emva  
kwake, wa pata umpeto wengubo yake:

21 Wa ti enhliziyweni, Uma ngi na-  
mata ingubo yake kodwa, ngi za ku-  
sinda.

22 uJesu wa penduka, e m bona wa  
ti, Mtanami, yima isibindi; ukukolwa  
kwako ku ku sindisile, Umfazi wa sinda  
nga lesosikati.

Luk. 7. 50. & 8. 48. & 17. 19. & 18. 42.

23 uJesu e se fikile endhlini yombusi,  
wa bona abahlabeleli, nabantu be xoko-  
zela.

2 Kron. 35. 25.

24 Wa ti kubo, Dedani, intombazana  
a i file, i lele. Ba m hleka usulu.

Imis. 20. 10.

25 Kepa, se be kityiwe abantu, wa  
ngena, wa i bamba ngesandhla, ya vuka  
intombazana.

26 Kwezwakala leyondaba ku lelozwe  
lonke.

27 uJesu e se suka lapo, za m landela  
izimpumpute ezimbili, za kala za ti, Si  
haukele, Ndodana ka Davida. isa. 15. 22.  
& 20. 30, 31. Mark 10. 47, 48. Luk. 18. 38, 39.

28 Se e ngene endhlini izimpumpute  
zeza kuye, uJesu wa ti kuzo, Ni ya ko-

Iwa ukuba ngi nga kwenza loku na? Za ti kuye, Yebo, Nkosi.

29 Kona wa pata' amehlo azo, wa ti, A ku be kini njengokukolwa kwenu.

30 A ti amehlo azo a ruleka; uJesu wa zi yalisisa, wa ti, Bhekani ku ngaziwa umuntu. isa. 8. 4. & 12. 16. & 17. 9. Luk. 5. 14.

31 Kepa za puma, za m dumisa ku lelozwe lonke. Mark 7. 36.

32 Ekupumeni kwazo, kwa letwa kuye umuntu o isitulu e nedemone. isa. 12. 22. Luk. 11. 14.

33 Idemone se li kityiwe, isitulu sa kuluma; abantu ba mangala, ba ti, A ku zanga ku bouwe okunjalo kwa Israeli.

34 Kodwa abaFarisi ba ti, U ya kipa amademone ngenkosi yamademone. isa. 12. 24. Mark 3. 22. Luk. 11. 15.

35 uJesu wa dabula imizi yonke nemizana, wa fundisa ezindhlini zokusonta zabo wa shumayela ivangeli lombuso, wa ba pilisa abantu izifo zonke nokugula zonke. isa. 4. 23. Mark 6. 6. Luk. 13. 22.

36 E bona abantu, wa ba haukela, ngokuba ba katele, be citekile, be nje-ngezimvu ezi nge namalusi. Mark 6. 34. Imib. 27. 17. 1 Ama. 22. 17. Hez. 34. 5.

Zek. 10. 2.

37 Kona wa ti kubafundi bake, Uku-vuna ku kulu, kodwa zi incozana izisebenzi. Luk. 10. 2. John. 4. 35.

38 Nxusani iNkosi yokuvuna, ukuba, i tume izisebenzi zi ye ekuvuneni kwayo. 2 Tes. 3. 1.

### ISAHLUKO 10.

**W**A biza abafundi bake aba ishumi nambili, wa ba nika amandhla okuba ba kipe omoya ababi, ba pilise izifo zonke nokugula konke.

Mark 3. 13, 14. & 6. 7. Luk. 6. 13. & 9. 1.

2 Amagama abapostoli aba ishumi nambili, a lawa; owokuqala uSimone, o tiwa uPetro, noAndrea umfo wabo; uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo; John. 1. 42.

3 uFilipu noBartolome; uTomasi noMateu umtelisi; uJakobe ka Alfeu, noLebeu o tiwa uTadeu.

4 uSimone umKanani, noJuda uIskarioti, owa m nikelayo. Luk. 6. 15.

Imis. 1. 13. John. 13. 26.

5 Laba aba ishumi nambili wa ba tuma uJesu, wa ba yala ngokuti, Ni nga yi ngendhlela e ya kwabezizwe, ni nga ngeni emizini yamaSamaria.

isa. 4. 15. 2 Ama. 17. 24. John. 4. 9, 20.

6 Kepa ni ye kuzo izimvu ezilahleki-leyo zendhlu ka Israeli. isa. 15. 24.

Imis. 13. 46. || Isai. 53. 6. Jer. 50. 6, 17.

Hez. 34. 5, 6, 16. 1 Pet. 2. 25.

7 Uma ni sa hamba, shumayelani, ni ti, Umbuso wezulu u sondele.

isa. 3. 2. & 4. 17. Luk. 9. 2. & 10. 9.

8 Pilisani abagulayo, ni vuse abafileyo, ni hlanze amalepero, ni kipe amademone; namkeliswe ngesihle, yipani ngesihle. Imis. 8. 18, 20.

9 Ni nga pati igolide, nesiliva, netusi, emabandeni enu; 1 Sam. 9. 7. Mark 6. 8.

Luk. 9. 3. & 10. 4. & 22. 35.

10 Ni nga pati isikwama sendhlela, nezingubo ezimbili, nezicatulo, nodondolo; isisebenzi si fanele ukupiwa ukudhla kwaso. Luk. 10. 7. 1 Kor. 9. 7-14.

1 Tim. 5. 18.

11 Nxa ni ngena emzini na semuzaneni, buzani ukuba ubani ofaneleyo kuwo; ni hlale kona ni ze ni muke.

Luk. 10. 8.

12 Nxa ni ngena endhlini, ni i bingelele.

13 Uma indhlu i fanele, a ku ze kuyo ukutula kwenu; kodwa uma i nga fanele, a ku buyele kini ukutula kwenu.

Izihl. 35. 13. Luk. 10. 5.

14 Lowo o nga namkeli, e nga wezwa amazwi enu, ni ti ni sa puma ku leyo-ndhlu, na ku lowomuzi, ni vtutulele utuli lwezinyawo zenu. Mark 6. 11.

Luk. 9. 5. & 10. 10, 11. Imis. 13. 51. & 18. 6.

15 Ngi qinisele ngi ti kini, Ku ya kuba lula ezweni la seSodoma neGomora ngosuku lokwahlula, ku na ku lowomuzi.

isa. 11. 22, 24.

16 Bhekani, ngi ya ni tuma ni njengezimvu pakati kwezimpisi; hlakanipani njengezinyoka, ni be mnene njengama-juba. Luk. 10. 3. Rome 16. 19. Ef. 5. 15.

1 Kor. 14. 20. Fil. 2. 15.

17 Kepa xwayani abantu, ngokuba ba ya kuninikela empakatini, ba ni tyaye ezindhlini zabo zokusonta.

isa. 24. 9. Mark 13. 9. Luk. 12. 11. & 21. 12.

Imis. 5. 40.

18 Ni ya kuyiswa kubabusi, na semakosini, ngenxa yami, ku be ubufakazi kubona na kwabezizwe.

Imis. 12. 1. & 24. 10. & 25. 7, 23. 2 Tim. 4. 16.

19 Kepa uma be ni nikela, ni nga katali ukuba ni ya kukuluma kanjani, nokuba ni ya kutini; ngokuba ni ya kupiwa nga lesosikati eni ya kukutyo.

Mark 13. 11, 12, 13. Luk. 12. 11. & 21. 14, 15.

Eks. 4. 12. Jer. 1. 7.

20 Ka si nina eni kulumayo, kodwa uMoya ka Yihlo wenu o kuluma ngani. 2 Sam. 23. 2. Imis. 4. 8. & 6. 10. 2 Tim. 4. 17.

21 Ku ya kuti umuntu a nikele umfo wabo ekufeni, uyise a nikele umntwana; abantwana ba ya kuvukela abazali babo, ba ba bulale. Mika 7. 6. Luk. 21. 16. 17.

22 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngegama lami; kodwa o qina ku ze ku be sekupeleni, u ya kusindiswa.

Dan. 12. 12. 13. isa. 24. 13. Mark 13. 13.

23 Uma be ni zingela ku lowomuzi, no balekela komunye. Ngi qinisile ngi ti kini, A ni yi kuqeda imizi ya kwa Israeli, ku ze ku fike iNdodana yomuntu.

isa. 2. 13. & 4. 12. & 12. 15.

Imis 8. 1. & 9. 25. & 14. 6. u isa. 16. 28.

24 Umfundi ka dhluli umfundisi; nenceku ka i dhluli inkosi yayo.

Luk. 6. 40. John. 13. 16. & 15. 20.

25 Kwanele umfundi, ukuba a be nje-ngomfundisi wake, nenceku i benjengenkoski yayo. Uma be bizile umninidhlu ngokuti uBelzebule, kakulu abendhlu yake. isa. 12. 24. Mark 3. 22. Luk. 11. 15. John. 8. 48-52.

26 Ma ni nga besabi, A ku ko okusibekelweyo oku nga yi kwambulwa, noku-sitekileyo oku nga yi kwaziwa.

Mark 4. 22. Luk. 8. 17. & 12. 2. 3.

27 Loku engi ni tyela kona ebumnyameni, ni ku shumayele ekukanyeni; na loku eni ku zwayo endhlebeni, ni ku memeze pezu kwezindhlu.

28 Ni ngesabi aba bulala umzimba, be nge bulale umpefumlo. No m esaba kakulu o nga bubisa umzimba nompefumlo egehena. Isai. 8. 12, 13. Luk. 12. 4.

1 Pet. 3. 14.

29 A ku tengwa ini imizwilili emibili ngopeni na? A ku yi kuwa pansi namunye kuyo e ngazi uYihlo wenu.

30 Ku baliwe nezinwele zonke zamakanda enu. 1 Sam. 14. 45. 2 Sam. 14. 11.

Luk. 21. 18. Imis. 27. 34.

31 Ma ni ngesabi, ni ya yidhlula imizwilili eminingi.

32 Lowo o ngi vuma pambi kwabantu, nami ngi ya kumvuma pambi kuka Baba o sezulwini.

Rome 10. 9, 10. Isam. 3. 5.

33 Kepa o ngi pika pambi kwabantu, nami ngi ya kumpika pambi kuka Baba o sezulwini. Mark 8. 38. Luk. 9. 26. 2 Tim. 2. 12.

34 Ni nga zindhli ni ti, ngi ze kutuma ukutula emhlabeni; a ngi zanga kutuma ukutula, ngi ze kutuma inkemba.

Luk. 12. 49-53.

35 Ngi ze ukwahlukanisa umuntu noyise, indodakazi nonina, umalokazana noninazala. Mika 7. 6.

36 Izita zomuntu zo ba abendhlu yake. Izihl. 41. 9. & 55. 13. Mika 7. 6. John. 13. 18.

37 O tanda uyise nonina kakulu ku nami, ka ngi fanele; no tanda indodana nendodakazi kakulu ku nami, ka ngi fanele. Luk. 14. 26.

38 O nga tabati isipambano sake, a ngi landele, ka ngi fanele. isa. 16. 24.

Mark 8. 34. Luk. 9. 23. & 14. 27.

39 O zuzwa ukupila kwake, wo ku lahlekelwa; kepa o lahlekelwa ukupila kwake ngami, wo ku zuzwa. isa. 16. 25.

Luk. 17. 33. John. 12. 25.

40 Owamkela nina, u ya ngamkela; naye o ngamkelayo, u ya m amkela o ngi tumileyo. isa. 18. 5. Luk. 9. 48. & 10. 16.

John. 12. 44. & 13. 20. Gal. 4. 14.

41 Owamkela umprofeti ngegama lomprofeti, u ya kuzuzwa umvuzo womprofeti; no m amkela olungileyo ngegama lolungileyo, u ya kuzuzwa umvuzo wolungileyo. 1 Ama. 17. 10. & 18. 4. 2 Ama. 4. 8.

42 O m puzisa a be munye ku laba abaneinyane isitya samanzi abandayo sodwa ngegama lomfundi, ngi qinisile ngi ti kini, a ka yi kulahlekelwa umvuzo wake. isa. 18. 5, 6. & 25. 40. Mark 9. 41.

Heb. 6. 10.

## ISAHLUKO 11.

**K**WA ti, uJesu se e qedile ukuyala abafundi bake aba ishumi nambili, wemuka lapo, wa ya ukufundisa noku-shumayela emizini ya kubo.

2 Kepa uJohane e setilongweni,wezwa imisebenzi ka Kristu, wa tuma ababili kubafundi bake, isa. 14. 3.

Luk. 7. 18-35.

3 Wa ti kuye, Wenu u nguye o be za kuza, so bheka omunye na? Gen. 49. 10.

Imib. 24. 17. Dan. 9. 24. John. 6. 14.

4 uJesu wa pendula wa ti kubo, Hambani ni ye, ni m landise uJohane loku eni ku zwayo neni ku bonayo;

5 Ukuti, izimpumpute zi ya bona, izinyonga zi ya hamba, amalepero a ya hlanzwa, izitulu zi yezwa, abafileyo ba ya vuka, abampofu ba ya shunyayezwa ivangeli. Isai. 29. 18. & 35. 4, 5, 6. & 42. 7. John. 2. 23. & 3. 2. & 5. 36. & 10. 25. 38. & 14. 11. Izihl. 22. 26. Isai. 61. 1. Luk. 4. 18. Jak. 2. 5.

6 U busisiwe o nga kubeki ngami. Isai. 8. 14, 15. isa. 13. 57. & 24. 10. & 26. 31.

Rome 9. 32, 33. 1 Kor. 1. 23. & 2. 14.

Gal. 5. 11. 1 Pet. 2. 8.

7 Se be mukile, uJesu wa qala ukushumayela kubantu ngoJohane, wa ti, Na puma ni ya ehlane ukubonani na? uhlanga lu zanyazanyiswa umoya na?

Ef. 4. 14.

8 Kepa na puma ni ya ukubonani na? umuntu owambete izingubo ezicolekileyo ini? Bhekani, abambete okucolekileyo ba sezindhlini zamakosi.

9 Kepa na puma ni ya ukubonani na? umprofeti ini? Yebo, ngi ti kini, omkulu ku nomprofeti.

isa. 14. 5. & 21. 26.

Luk. 1. 76. & 7. 26.

10 Lo u nguye oku lotywe ngaye ukuti, Bheka, ngi ya tuma isitunya sami pambi kwako, esi ya kulungisa indhilela yako pambi kwako.

Mal. 3. 1. Mark. 1. 2. Luk. 1. 76. & 7. 27.

11 Ngì qinisele ngi ti kini, kwabazelewe abafazi a ku velanga omkulu ku noJohane umbapatizi kodwa omncinyane embusweni wezulu mkulu kunaye.

12 Ku suka emihleni ka Johane umbapatizi ku ze ku be manje, umbuso wezulu u ya pangwa, nabapangayo ba ya u hlwita.

Luk. 16. 16.

13 Ba profeta abaprofeti bonke nawo umteto, kwa za kwa fika uJohane.

14 Uma ni tanda ukuwamkela, lo u nguElija o be za kuza.

Mal. 4. 5, 6. isa. 17. 12. Luk. 1. 17.

15 O nezindhlebe zokuzwa a kezwe.

isa. 13. 9. Luk. 8. 8. Isam. 2. 7, 11, 17, 29.

& 3. 6, 13, 22.

16 Kepa lesisizukulwane ngi ya kusifanisa nani na? Si fana nabantwana abahlezi ezindaweni zokubutana, be meza kwabahlangana nabo,

17 Be ti, Si ni hlabelele, a ni sinanga; si ni lilele, a ni kalanga.

18 uJohane wa fika e nga dhli, e nga puzi; ba ti, U nedemone.

19 iNdodana yomutu ya fika i dhla, i puza; ba ti, Bheka, umuntu o isimini nentseli, umhlobo wabatelisi nezoni; kepa ukuhlakanipa ku tetelelwa imisebenzi yake.

isa. 9. 10.

20 Kona wa qala ukusola imizi, e be yenziwe kuyo imisebenzi emikulu eminingi, ngokuba i nga pendukanga.

Luk. 10. 13-15.

21 Wa ti, Nako kuwena, Korazini! naka kuwena, Betsaida! uma imisebenzi emikulu e yenziwe kuwe, i be yenziwe eTire na seSidone, nga ba penduka kade, be hlala ngendwangu yokulila, na ngomlota.

Jona 3. 7, 8.

22 Njalo ngi ti kini, Ko ba lula eTire

na seSidone ngosuku lokwahlula ku na kinina.

isa. 10. 15.

23 Nawe, Kapernaume, o pakanyiselwe ezulwini, u ya kwehliselwa ehaidese; uma imisebenzi emikulu eyenziwe kuwe, i be yenziwe eSodoma, nga be li kona na namhla. Isai. 14. 13. Isililo 2. 1.

24 Njalo ngi ti kini, Ko ba lula ezweni la seSodoma ngosuku lokwahlula ku na kuwe.

isa. 10. 15.

25 Nga lesosikati uJesu wa shumayela wa ti, Ngì ya bonga wena Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba u ku fihlile loku kwabafundileyo na kwabahlakanipileyo, wa ku bonakalisa ezinganeni.

Luk. 10. 21, 22. Izihl. 8. 2.

1 Kor. 1. 19, 27. & 2. 8. 2 Kor. 3. 14.

isa. 16. 17.

26 Yebo, Baba, ngokuba kwa ku kuhle ebusweni bako.

27 Ngì piwe konke uBaba; a ku ko muntu o yaziyo iNdodana, kupela uYise; a ku ko muntu o m aziyo uYise, kupela iNdodana, na lowo iNdodana e tanda ukumbonakalisa kuye.

isa. 28. 18. John. 3. 35. & 13. 3. & 17. 2. 1 Kor. 15. 27.

John. 1. 18. & 6. 46. & 10. 15.

28 Zanini kimi, nina nonke enikateleyo, nenisindwayo, ngo ni pumiza.

29 Tabatani ijokwe lami, ni li beke pezu kwenu, ni funde kimi, ngi mnene, ngi tobekile ngeuhliziyo; ni ya kufumana ukupumula kwemipefumlo yenu.

Zek. 9. 9. John. 13. 15. Fil. 2. 5-8.

1 Pet. 2. 21. 1 John. 2. 6. Jer. 6. 16.

30 Ngokuba ijokwe lami li lungile, nomtwalo wami u lula.

1 John. 5. 3.

## ISIAHLUKO 12.

**N**GA lesosikati uJesu wa dabula emasimini ngesabata; abafundi bake ba lamba, ba qala ukuka izikwebu, ba zi dhla. Dut. 23. 25. Mark. 2. 23-28. Luk. 6. 1-5.

2 abaFarisi be bona, ba ti kuye, Bheka, abafundi bako ba yenza okungafanele ukwenziwa ngesabata.

3 Wa ti kubo, A ni fundanga ini okwenziwa uDavida msukwana e lambile, yena nabo aba be naye?

1 Sam. 21. 6.

4 Ukuti, wa ngena endhlini ka Tixo, wa dhla izinkwa zokubekwa, ezi nga fanele ukudhliwa uye, nabo aba be naye, kupela abapristi? Eks. 25. 30. & 29. 32, 33.

Levi 24. 5. & 8. 31. & 24. 9.

5 A ni fundanga ini emtetenisi ukuti, ngesabata abapristi ba lapula isabata etempelini, be nge nacala?

Imib. 28. 9.

John. 7. 22.

6 Ngi ti kini, U kona lapa omkulu ku netempeli. 2 Kron. 6. 18. Mal. 3. 1.

7 Keba uma na be ni kwazile ukuba ku ini loku, ukuti, Ngi tanda umusa, ngi nga tandi umhlatyelo, nga ni nga ba lahlanga aba nge nacala. Hos. 6. 6.

Mika 6 6, 7, 8. isa. 9. 13.

8 iNdodana yomuntu i iNkosi yesabata.

9 Wesuka lapo, wa ya wa ngena endhlini yokusonta yabo. Mark 3. 1-6. Luk. 6. 6-11.

10 Kwa ku kona umuntu o nesandhlha esishwabenyayo. Ba m buza ba ti, Ku fanele ukupilisa ngesabata na? Ba tyo ukuba ba m tolise icala.

Luk. 13. 14. & 14. 3. John. 9. 16.

11 Wa ti kubo, U mupi umuntu wa kini o nemvu, uma i wele emgodini ngesabata, o nga yi kuibamba, a i kupule na? Eks. 23. 4, 5. Dut. 22. 4.

12 Umuntu u dhlula invu kangakanani na? Njalo ku fanele ukwenza okuhle ngesabata.

13 Kona wa ti ku lomuntu, Yelula isandhlha sako. Wa selula, sa piliswa sa ba njengesinye.

14 Keba abafarisi ba puma, benza icebo lokumbulala. isa. 27. 1.

John. 5. 18. & 10. 39. & 11. 53.

15 uJesu e kwazi, wemuka lapo; ba m landela abantu abaningi, wa ba pilisa bonke. isa. 10. 23. & 19. 2. Mark 3. 7.

16 Wa ba yala ukuba ba nga m zwakalisi; isa. 9. 30.

17 Ukuze ku gewaliseke okwa shunya-yelwa uIsaya umprofeti ukuti,

18 Bheka inceku yami, engi i ketileyo, otandiwewo wami, o kolwa uye umpefumlo wami. Ngo beka umoya wami pezu kwake, a shumayele umteto kwabezizwe. Isai. 42. 1. isa. 3. 17. & 17. 5.

19 A ka yi kuxabana namuntu, a bange umsindo, a ku yi kuzwiwa umuntu izwi lake endheleni.

20 Uhlanga olufeekekileyo a ka yi kulwapula; impokwe yesibani etunqayo a ka yi kuicima, e nga ka vezi umteto, u nqobe.

21 Abezizwe ba ya kwetamba igama lake.

22 Kona kwa letwa kuye umuntu o nedemone, o impumpute nesitulu; wa m pilisa, kwa ti o impumpute nesitulu wa kuluma wa bona. isa. 9. 32. Mark 3. 11.

Luk. 11. 14.

23 Abantu bonke ba mangala, ba ti, Lo a siyo indodana ka Davida na?

24 Keba abafarisi be ku zwa, ba ti, Yena ka kipi amademone, kupela u wa kipa ngoBelzebule, inkosi yamademone. isa. 9. 34. Mark 3. 22. Luk. 11. 15.

25 uJesu e kwazi ukuzindhlha kwabo, wa ti kubo, Ilowo umbuso o wa hlukene wodwa, u ya citeka; nomuzi nokuba indhlu eyahlukene yodwa i ngeme.

isa. 9. 4. John. 2. 25. Isam. 2. 23.

26 Uma uSatani e kipa uSatani, wahlukene yedwa; umbuso wake u ngema kanjani na?

27 Uma ngi kipa amademone ngo-Belzebule, abantwana benu ba wa kipa ngobani na? Njalo bo ba abahluli benu.

28 Uma ngi kipa amademone ngo-Moya ka Tixo, umbuso ka Tixo se u fikile kini. Dan. 2. 44. & 7. 14.

Luk. 1. 33. & 11. 20. & 17. 20, 21.

29 Umuntu a nga ngena kanjani endhlini yesiqwaga, a pange impahla ya-o, e nga qale wa bopa isiqwaga, andu kupanga indhlu yaso? Isai. 49. 24.

Luk. 11. 21, 22, 23.

30 O nge nami, u pambene nami, no nga buti nami, u ya cita.

31 Ngaloko ngi ti kini, Abantu ba ya kutetelelwa ukona nokutuka konke; kodwa ukutuka uMoya abantu ba nge ku tetelelwe. Mark 3. 28. Luk. 12. 10.

Heb. 6. 4-6. & 10. 26, 29. 1 John. 5. 16.

Imis. 7. 51.

32 Lowo o kuluma izwi elibi ngeNdodana yomuntu, a nga tetelelwa; kodwa o kuluma ngoMoya o ingewele, a nge tetelelwe, na ku lelizwe, na ku lelo elizayo. isa. 11. 19. & 13. 55. John. 7. 12, 52.

1 Tim. 1. 13.

33 Yenzani umuti u be muhle, nezitelo zawo zi be zihle; noma nenze umuti u be mubi, nezitelo zawo zi be zimbi; ngokuba umuti waziwa ngezitelo zawo.

isa. 7. 17. Luk. 6. 43-45.

34 Nzalo yezinyoka, ni nga shumayela okulungileyo kanjani, loku ni babi na? ngokuba umilomo u shumayela ngokuvama kwenhliziyo. isa. 3. 7. & 23. 33.

35 Umuntu o lungileyo u veza okulungileyo emfuyweni elungileyo yenhliziyoyi; kepa umuntu omubi u veza okubi emfuyweni embi.

36 Ngi ti kini, Amazwi onke a ize, aba wa shumayelayo abantu, ba ya kuwapendula ngosuku lokwahlula.

37 Ngamazwi ako u ya kutetelelwa, na ngamazwi ako u ya kulahlwa.

38 Kona abatle kubabali nabaFarisi

ba pendula ba ti, Mfundisi, si tanda ukubona isibonakaliso e senziwe uwe.  
isa. 16. 1. Mark 8. 11. Luk. 11. 16, 29-32.

John. 2. 18. 1 Kor. 1. 22.

39 Wa pendula wa ti kubo, isizukulwane esibi nesipingayo si funa isibonakaliso, kepa a si yi kupiwa isibonakaliso, kupela isibonakaliso sika Jona unprofeti. Isa. 57. 3. isa. 16. 4.

Mark 8. 38. John. 4. 48.

40 NjengoJona wa be e siswini somkomo izinsuku ezintatu, nobusuku obutatu, njalo iNdodana yomuntu i ya kuba enhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintatu, nobusuku obutatu. Jona 1. 17.

41 Abantu ba seNinewa ba ya kusuka beme ekwahluleni kanye na lesizukulwane, ba si lahle, ngokuba ba penduka ngokushumayela kuka Jona; Bhekani, nangu omkulu ku noJona. Jer. 3. 11.

Hez. 16. 51, 52. Rome 2. 27.

42 Inkosikazi ya seningizimu i ya kusuka i me ekwahluleni kanye na lesizukulwane, i si lahle, ngokuba yeza i vela ekupeleni komhlaba ukuzwa ukuhlakanipa kuka Solomona; bhekani, nangu omkulu ku noSolomona.

1 Ama. 10. 1. 2 Kron. 9. 1. Luk. 11. 31.

43 Nxa umoya omubi e pume kumuntu, u ya dabula izindawo ezomileyo, a fune ukupumula, e nga ku fumani;

Luk. 11. 24. Jobe 1. 7. 1 Pet. 5. 8.

44 Andu ku ti, Ngo buyela endhlini yami, enga puma kuyo. Se e fikile a i fumane i nge namuntu, i tyaneliwe, i hlutyisiwe.

45 Kona a hambe a tabate abanye omoya aba isikombisa ababi ku naye, ba ngene, ba hlale kona; ku ti ukupela kwa lomuntu kubi ku nokuqala. Ko ba njalo ku lesizukulwane esibi.

Heb. 6. 4. & 10. 26. 2 Pet. 2. 20, 21, 22.

46 E sa shumayela kubantu, unina nabafo wabo ba be mi ngapandhle, be funa ukukuluma naye. Mark 3. 31-35.

Luk. 8. 19-21. || isa. 13. 55. Mark 6. 3.  
John. 2. 12. & 7. 3, 5. Imis. 1. 14. 1 Kor. 9. 5.  
Gal. 1. 19.

47 Wa ti umuntu kuye, Nangu unyoko nabafo wenu bem i ngapandhle, ba funa ukukuluma nawe.

48 Wa pendula wa ti komtyelileyo, Uname ubani, nabafo wetu obani na?

49 Na selula isandhla sake nga kubafundi bake, wa ti, Bhekani, nangu umame nabafo wetu.

50 O yenza in'ando ka Baba o sezu-

lwini, uyena umfo wetu, nodade wetu, nomame. John. 15. 14. Gal. 5. 6. & 6. 15.  
Kol. 3. 11. Heb. 2. 11.

### ISAHLUKO 13.

**N**GA lolusuku nJesu wa puma endhlini, wa ya wa hlala nga selwandhle.

Mark 4. 1-12.

2 Kwa butana kuye abantu abanengi, wesuka wa ngena emkunjini, wa hlala; abantu bonke bema ogwini.

Luk. 8. 4-10. Luk. 5. 3.

3 Wa shumayela kubo okuningi ngemifanekise, wa ti, Bhekani, kwa puma umhlwanyela, wa ya kuhlwanyela.

4 Ekuhlwanyeleni kwake, enye imbeu ya wa endhleleni, za fika izinyoni za i catya.

5 Enye ya wa ogedhleni, i nge namhlabati onningi, ya mila masinyane, ngokuba i nge namhlabati onningi.

6 Kepa se li pumile ilanga, ya hamuka, ya buna, i nge nampande.

7 Enye ya wa emveni; ameva a hluma a i minyanisa.

8 Kepa enye ya wa emhlabatini olungileyo, ya tela ukudhla, enye ngekulu, enye ngamashumi a isitupa, enye ngamashumi amatatu. Gen. 26. 12.

9 O nezindhlebe zokuzwa a kezwe.

isa. 11. 15.

10 Kwa fika abafundi bake, ba ti kuye, U shumayeelani kubo ngemifanekiso na?

11 Wa pendula wa ti kubo, Ngokuba ni piwe nina ukwazi inifihlakalo yombuso wezulu, kodwa a ba ku piwanga bona. isa. 11. 25. & 16. 17. 1 Kor. 2. 10.

1. John. 2. 27.

12 O nako u ya kupiwa, a vame; kodwa o nge nako u ya kwamukwa nalo ku a nako. isa. 25. 29. Mark 4. 25.

Luk. 8. 18. & 19. 26.

13 Ngaloku ngi shumayela kubo ngemifanekiso; ngokuba be bona be nga boni, be zwa be ngezwa, be nga qondi.

14 Ku gwaliseka ngabo isiprofeto sika Isaya sokuti, Ngokuzwa ni ya kuzwa ni nga qondi; na ngokubona ni ya kubona ni ngazi. Isa. 6. 9. Hez. 12. 2.

John. 12. 40. Imis. 28. 26, 27. Rome 11. 8.  
2 Kor. 3. 14, 15.

15 Ngokuba inhliziyo ya lababantu i lukuni, bezwa kabi ngezindhlebe, amehlo abo ba wa cime; funa mhlaumbe ba bone ngamehlo, bezwe ngezindhlebe, ba qonde ngenhliziyo, ba penduke, ngi ba sindise. Heb. 5. 11.

16 Kodwa a busisiwe amehlo enu, ngokuba e bona, nezindhlebe zenu ngokuba zi zwa. isa. 16. 17. Luk. 10. 23, 24. John. 20. 29.

17 Ngi qinisile ngi ti kini, Abaprofeti abaningi, nabantu abalungileyo ba be fisa ukubona loku eni ku bonayo, a ba ku bonanga; nokuzwa loku eni ku zwayo, a ba ku zwanga. Heb. 11. 13.

1 Pet. 1. 10, 11.

18 A ke ni zwe umfanekiso womhlwanyeli. Mark 4. 13-20. Luk. 8. 11-15.

19 Nxa umuntu e li zwa izwi lombuso, e nga li qondi, ku fike omubi, a pange oku hlwanyelwe enhliziyweni yake; uyena o hlwanyelwe endhleleni. isa. 4. 23.

20 O hlwanyelwe ogedhlani u nguye, o lizwa izwi, a tyetye a lamkele ngokutokoza. Isai 58. 2. Hez. 33. 31, 32. John. 5. 35.

21 Kepa ka nampande pakati kwake, u hlala, isikatyana, ku fike ukuhlupeka nokuzingelwa ngenxa yezwi, a kubeke masinyane. isa. 11. 6. 2 Tim. 1. 15.

22 O hlwanyelwe emeveni u nguye o li zwa izwi, kepa ukunaka lelizwe, nokukohlisa kwemfuyo ku minyanisa izwi, li nga bi nasitelo. isa. 19. 23. Mark 10. 23. Luk. 18. 24. 1 Tim. 6. 9. 2 Tim. 4. 10.

23 Kodwa o hlwanyelwe emhlabatini olungileyo u nguye o li zwa izwi, a li qonde, a tele izitelo, omunye ngekulu, omunye ngamashumi a isitupa, omunye ngamashumi amatatu.

24 Omunye umfanekiso wa u faka kubo, wa ti, Umbuso wezulu u faniswa nomuntu owa hlwanyela imbeu elungileyo ensimini yake; Mark 4. 26-29.

25 Abantu be sa lele kwa fika isita sake, sa hlwanyela ukula pakati kwamabele, semuka.

26 Se zi milile izitombo za tela ukudhla, kwandu kubonakala nokula.

27 Kwa fika izineeku zomninindhlu, za ti kuye, Nkosi, a u hlwanyelanga imbeu elungileyo ensimini yako na? Ukula lu velapi na?

28 Wa ti kubo, Kwenziwe umuntu o isita, Izineeku za ti kuye, U ya tanda, si ye si lu bute na?

29 Wa ti, Qa, funa mhlaumbe, ni sa buta ukula, ni sipule amabele kanye nalo.

30 Yekani ku kule ndawonye kokubili ku ze ku vunwe. Ngesikati sokuvuna ngi ya kuti kwabavunayo, Butani

kuqala ukula, ni lu bope izinyanda ukuba lu tyiswe; ni wa butele amabele endhlini yami. isa. 3. 12.

31 Omunye umfanekiso wa u faka kubo, wa ti Umbuso wezulu u fana nenhlamvu yesinapi, a i tabata umuntu, wa i hlwanyela ensimini yake.

Isai. 2. 2, 3. Mika 4. 1. Mark 3. 30-32. Luk. 13. 18, 19.

32 Le incinyane ku nazo zonke izinhlamvu; kepa uma i si kulile inkulu ku nazo zonke izilimo, i ngumuti, ku fika izinyoni zezulu, zi hlale emagatyeni awo.

33 Wa shumayela omunye umfanekiso kubo, wa ti, Umbuso wezulu u fana nemvubelo, a i tabata umfazi, wa i fibla emputyini e izilinganiso ezitatu ya za ya bila yonke. Luk. 13. 20, 21.

34 Konke loku uJesu wa ku shumayela kubantu ngemifanekiso; ka shumayelanga kubo ku nge ngamfanekiso; Mark 4. 33, 34.

35 Ukuba ku gewaliseke okwa shunyanelya umprofeti ukuti, Ngi ya kuvula umlomo wami ngemifanekiso; ngi ya kupimisela okufihliweyo iloku kwa dabuka umhlaba. Izihl. 78. 2. Rome 16. 25, 26. 1 Kor. 2. 7. Ef. 3. 9. Kol. 1. 26.

36 Kona uJesu wa mukisa abantu, wa ngena endhlini; abafundi bake beza kuye, ba ti, Si casisele umfanekiso wokula lwensimu.

37 Wa pendula wa ti kubo, Owa hlwanyela imbeu elungileyo u iNdodana yomuntu;

38 Insimu i izwe; imbeu elungileyo i ngabantwana bombuso; ukula lu ngabantwana bomubi; isa. 24. 14. & 28. 19. Mark 16. 15, 20. Luk. 24. 47. Rome 10. 18. Kol. 1. 6. # Gen. 3. 15. John. 8. 44. Imis. 13. 10. 1 John. 3. 8.

39 Isita esa lu hlwanyelayo si nguSantani; ukuvuna ku ukupela kwezwe; abavuni ba izingelosi. Joel 3. 13. Isam. 14. 15.

40 Njengokula lu butwa, lu tyiswe ngomlilo, ko ba njalo ekupeleni kwa lelizwe.

41 iNdodana yomuntu i ya kutuma izingelosi zayo zi bute zi ku suse embusweni wayo konke okukubekisayo nabenza ukona; isa. 18. 7. 2 Pet. 2. 1, 2.

42 Zi ba ponse eziko lomlilo, ko ba kona ukukala nokugedhla amazinyo; isa. 3. 12. & 8. 12. Isam. 19. 20. & 20. 10.

43 Kona abalungileyo ba ya kukanya njengelanga embusweni ka Yise wabo. O nezindhlebe zokuzwa a kezwe.

Dan. 12. 3. 1 Kor. 15. 42, 43, 58.

44 Futi, umbuso wezulu u fana nomecbo o fililwe ezweni, a u fumene umuntu, wa u filila; e tokoza ngawo, u suka a tengise ngako konke a nako, a tenge leli-zwe. Isai. 55. 1. Fil. 3. 7, 8. Isam. 3. 18.

45 Futi, umbuso wezulu u fana nomtengi o funa amaparele amahle.

46 Se e fumene iparele eli nentengo enkulu, wa ya wa tengisa ngako konke a nako, wa li tenga.

Amazwi 2. 4. & 3. 14, 15. & 8. 10, 19.

47 Futi, umbuso wezulu u fana neneta, ela ponswa elwandhle, la buta izinhlolobozonke. isa. 22. 10.

48 Se li gewele, ba li kupulela ogwini, ba hlali pansa, ba butela ezinhle ezityeni, ba lahla ezimbi.

49 Ko ba njalo ekupeleni kwezwe; izingelosi zi ya kupuma, zi kipe ababi kwabalungileyo. isa. 25. 32.

50 Zi ba pouse eziko lomlilo; ko ba kona ukukala nokugedhla amazinyo.

51 uJesu wa ti kubo, Ni ku zwisile loku konke na? Ba ti kuye, Yebo, Nkosi.

52 Wa ti kubo, Ngaloko lowo umbali o fundiselwe umbuso wezulu u fana nomninindhlu o veza okutya nokudala emfuyweni yake.

53 Kwa ti uJesu se e qedile lemifanekiso, wesuka lapo.

54 Wa fika ezweni la kubo, wa ba fundisa endhlini yabo yokusonta, ba mangala ba ti; Ku velapi lokukuhlakanipa, na lemisebenzi emikulu a nayo na?

isa. 2. 23. Mark 6. 1. Luk. 4. 16, 23.

55 Lo a siyo indodana yombazi na? Unina ka bizwa ngokuti uMaria na? Nabafo wabo a sibo oJakobe, noJose, noSimone, noJuda na?

Mark 6. 3-6. & 15. 40. Luk. 3. 23.

John. 6. 42. isa. 12. 46.

56 Nodade wabo a ba ko lapa bonke kitina na? Kuvelapi loku konke a nako na?

57 Ba eunuka ngaye. Kepa uJesu wa ti kubo, Umprofeti ka delwa, kupela ezweni la kubo, na sendhlini yake.

isa. 11. 6. Luk. 4. 24. John. 4. 44.

58 A kenzanga lapo imisebenzi emikulu eminingi, ngokungakolwa kwabo.

#### ISAHLUKO 14.

**N**GA lesosikati uHerodi inkosi wezwa udumo luka Jesu, Mark 6. 14-29.

Luk. 9. 7-9.

2 Wa ti ezincekwini zake, Lo u ngu-Johane umbapatizi, u vukile kwabafile-

yo; ngaloku imisebenzi emikulu i setyenzwa uye.

3 uHerodi e be m bambile uJohane, wa m bopa, wa m faka etilongweni ngaye uHerodia, umka Filipu, umfo wabo.

Luk. 3. 19, 20.

4 Ngokuba uJohane wa be e ti kuye, A ku fanele u be naye.

Levi 18. 16. & 20. 21.

5 Wa tanda ukumbulala, kepa wesaba abantu, ngokuba be ti u umprofeti.

isa. 21. 26. Luk. 20. 6.

6 Kepa ku sa ketelwa usuku lokuza-lwa kuka Herodi, intombazana ka Herodia ya sina pambi kwabo, ya m tokozisa uHerodi.

7 Ngako wa funga wa ti, u za kuinika loko e za kucela kona.

8 I si yaliwe unina ya ti, Ngi pe lapa esityeni ikanda lika Johane umbapatizi.

9 Inkosi ya dabuka, kepa ngesifungo na ngabo aba be hlezi nayo, ya tyo ukuba i li nikwe.

10 Ya tuma ya nquma ikanda lika Johane etilongweni.

11 Ikanda lake la letwa ngesitya, la nikwa intombazana, ya li yisa kunina.

12 Kwa fika abafundi bake, ba tabata isidumbu, ba si mbela, ba ya ba bika kuJesu.

13 uJesu se e zwile, wesuka lapo ngomkumbi, wa ya endaweni ya sehlane e yedwa. Kepa abantu se be zwile, besuka emzini, ba m landela ngezinyawo.

isa. 10. 23. & 12. 15. Mark 6. 32-44.

Luk. 9. 10-17. John. 6. 1-13.

14 uJesu e punile, wa bona abantu abaningi, wa ba haukela, wa pilisa abagulayo babo.

isa. 9. 36.

15 Se ku hlwile abafundi bake beza kuye, ba ti, Ku sehlane ku lendawo, usuku se lu dhlulile; a ku mukise abantu, ba ye emizini, ba zitengele ukudhla.

16 uJesu wa ti kubo, A ba dingi ukuya, ba peni nina, ba dhle.

17 Ba ti kuye, A si nanto lapa, kupela izinkwa ezi ishlanu nezinhlanzi ezimbili.

18 Wa ti, Zi leteni kimi.

19 Wa yala abantu ukuba ba cambalale otyanini, wa tabata izinkwa ezi ishlanu nezinhlanzi ezimbili, wa bhleka ezulwini, wa bonga, wa zi hlepula, wa ba nika abafundi izinkwa, abafundi ba nika abantu.

isa. 15. 36.

20 Ba dhla bonke, besuta, ba buta



imvutuluka eseleyo, amaqoma a ishumi nambili e gewele.

21 Abadhlayo ba be amadoda a nga izinkulungwane ezi isihlanu, ngapandhle kwesifazana nabantwana.

22 uJesu wa se e quba abafundi bake, ukuba ba ngene emkunjinini, ba m andulele ukuya ngapesheya, e sa mukisa abantu.

23 Se e mukisile abantu, wa kupuka wa ya entabeni yedwa, ukuba a kuleke. Se ku hlwile wa e koua lapo e yedwa.

Mark 6. 45-56. John. 6. 15-21.

24 Kapa umkumbi se u pakati kolwandhle, wa tyaywa amaza, umoya wa be u pambene nabo.

25 Kwa ti ebusuku, ngomlindo wesine, uJesu wesuka wa ya kubo, e hamba pezu kolwandhle.

26 Abafundi be m bona e hamba pezu kolwandhle, betuka ba ti, Ku itongo; ba kala ngokwesaba. Jobe 9. 8.

27 Kapa uJesu wa se e kuluma nabo wa ti, Yimani isibindi, imina, ni ngesabi.

28 uPetro wa pendula wa ti kuye, Nkosi, uma uwe, ngi bize, ugi ze kuwe pezu kwamauzi.

29 Wa ti, Wo za. uPetro wehla emkunjinini, wa hamba pezu kwamauzi ukuya kuJesu.

30 Kapa e bona umoya u namaudhla, wesaba; se e qala ukutyona, wa kala wa ti, Nkosi, ngi sindise.

31 uJesu wa tyetya welula isandhla, wa m bamba, wa ti kuye, Wena o noku-kolwa okucinyane, u ngabaza ngani na?

32 Se be ngene emkunjinini umoya wa tula.

33 Aba semkunjinini beza ba kuleka kuye, ba ti, Impela u iNdodana ka Tixo. Izihl. 2. 7. isa. 16. 16. & 26. 63. Mark 1. 1.

Luk. 4. 41. John. 1. 49. & 6. 69. & 11. 27.

Imis. 8. 37. Rome 1. 4.

34 Ba wela, beza ezweni la seGenesareteta.

35 Abantu ba leyondawo se be m azi, ba tuma ku lelozwe louke la ngakona, ba leta kuye bonke abagulayo.

36 Ba m ncenga ukuba ba pate nje umpeto wengubo yake kupela; abapatayo ba sindiswa. isa. 9. 20. Mark 3. 10.

Luk. 6. 19. Imis. 19. 12.

#### ISAHLUKO 15.

**K**WA fika kuJesu ababali nabaFarisi ba seJerusalema, ba ti,

Mark 7. 1-23.

2 Abafundi bako beqa ngani imvelo yabadala na? a ba hlanibi izandhla zabo uma be dhla ukudhla. Kol. 2. 8.

3 Wa pendula wa ti kubo, Nani neqa ngani umyalo ka Tixo, ngemvelo yenu na?

4 uTixo wa yala ukuti, Dumisa uyihlo nouyoko; nokuti, O tuka uyise nonina, a ka fe nokufa. Eks. 20. 12. Levi 19. 3.

Dut. 5. 16. Amazwi 23. 22. Ef. 6. 2.

Eks. 21. 17. Levi 20. 9. Dut. 27. 16.

Amazwi 20. 20. & 30. 17.

5 Kodwa nina ni ti, O tyoyo kuyise nonina ukuti, Ku umnikelo loku engi ku siza ngako, a nga bi e sa m dumisa uyise nonina.

6 Njalo nenza umyalo ka Tixo u be ize ngemvelo yenu.

7 Bazenzisi, wa shumayela kahle ngani uIsaya ngokuti,

8 Lababantu ba sondela kimi ngomlomo wabo, ba ngi dumisa ngezindebe, kepa inhliziyu yabo i kude nami.

Isai. 29. 13. Hez. 33. 31.

9 Ba ngi konza ngeze, be fundisa izifundiso ezi imiyalo yabantu. Isai. 29. 13.

Kol. 2. 18-22. Titusi 1. 14.

10 Wa biza abantu, wa ti kubo, Yizwani ni qonde.

11 Loku oku ngena emlonjeni a ku ngeolisi umuntu; Kodwa okupumayo, loku ku ngeolisa umuntu. Imis. 10. 15. Rome 14. 14, 17, 20. 1 Tim. 4. 4. Titusi 1. 15.

12 Kona abafundi bake beza ba ti kuye, U yazi ukuba abaFarisi ba cunuka, be zwa lelizwi na?

13 Wa pendula wa ti, Imiti yonke e nga tyalwanga uBaba o sezulwini, i ya kusityulwa. John. 15. 2.

14 Ba yekeni; ba izimpumpute ezi hola izimpumpute; uma impumpute i hola impumpute, zi ya kuwela emgodini zombili. Isai. 9. 16. Mal. 2. 8. isa. 23. 16.

Luk. 6. 39.

15 uPetro wa pendula wa ti kuye, Si casisele lomfanekiso. Mark 7. 17.

16 uJesu wa ti, Nani ni se ngabangaqondiyo na? isa. 16. 9.

17 A ni ka qondi ini ukuti, konke okungenayo emlonjeni ku ya esiswini, ku lahlelwe ngapandhle? 1 Kor. 6. 13.

18 Kodwa loku oku puma emlonjeni, ku vela enhliziyweni, iloku oku ngeolisa umuntu. Jak. 3. 6.

19 Ku vela enhliziyweni izizindhlo ezimbi, ukubulala, ukupinga, ukuhlobonga, ukweba, ukuqinisa amanga, ukutuka. Gen. 6. 5. & 8. 21. Amazwi 6. 14. Jer. 17. 9.

20 Ku iloku oku ngeolisa umuntu ; kodwa ukudhla ngezandhla ezi nga hlanziwe a ku m ngeolisi umuntu.

21 uJesu wesuka lapo, wa ya ezweni la seTire neSidone. Mark 7. 24-30.

22 Kwa ti umfazi wa seKanani, e vela ku lelozwe, wa kala kuye, wa ti, Ngi haukele, Nkosi, Ntodana ka Davida; intombazana yami i kwelwe kakulu ide-mone.

23 Kodwa ka m pendulanga ngazwi. Kweza abafundi bake, ba m neenga, ba ti, M mukise, u ya kala emva kwetu.

24 Wa pendula wa ti, Ngi tunyelwe ezimvuwini ezilahlekileyo zendhlu ka Israeli kupela. isa. 10. 5, 6.

Imis. 3. 25, 26. & 13. 46. Rome 15. 8.

25 Weza wa kuleka kuye, e ti, Nkosi, ngi size.

26 Wa pendula wa ti, A ku fanele ku tatyatwe ukudhla kwabantwana, ku ponswe ezinjeni. isa. 7. 6. Fil. 3. 2.

27 Wa ti, Yebo, Nkosi, kepa izinja zi ya dhla invutuluka ewayo esitebeni samakosi azo.

28 Kona uJesu wa pendula wa ti kuye, O mame, kukulu ukukulwa kwako; a ku be kuwe njengokutanda kwako. Intombazana yake ya sindiswa nga lesosikati.

29 uJesu wesuka lapo, weza nga selwandhile lwa seGalile, wenyukela entabeni, wa hlala pansu kona. isa. 4. 18.

Mark 7. 31-37.

30 Kwa fika kuye abantu abaningi, be nezinyonga, nezimpumpute nezitulu, nezilima, nabanye abaningi, ba ba beka nga sezinyaweni zika Jesu; wa ba sindisa. Isai. 35. 5. 6. isa. 11. 5. Luk. 7. 22.

31 Ba mangala abantu, be bona izitulu zi kuhuma, izilima zi sindile, izinyonga zi hamba, izimpumpute zi bona. Ba bona uTixo ka Israeli.

32 uJesu wa biza abafundi bake, wa ti, Ngi ya ba haukela abantu: se ku izinsuku ezintatu be hlezi nami be nge nakudhla; a ngi tandi ukubamukisa be lambile, funa ba katale endheleni.

Mark 8. 1-10.

33 Abafundi bake ba ti kuye, Si nga tolapi ehlane ukudhla okwanele, ukuba ba sute abantu abangaka na?

2 Ama. 4. 43.

34 uJesu wa ti kubo, Ni nezinkwa ezingapi na? Ba ti, Zi isikombisa, nezinhlanzana ezi incozana.

35 Wa yala abantu ukuba ba hlale pansu.

36 Wa tabata izinkwa ezi isikombisa nezinhlanzi, wa bonga, wa zi hlepula, wa nika abafundi bake, abafundiabela abantu. isa. 14. 19. 1 Sam. 9. 13.

Luk. 22. 19.

37 Ba dhla bonke ba suta; ba buta invutuluka eseleyo amaqoma a isikombisa e gewele.

38 Abadhlayo ba beamadoda a izinkulungwane ezine ngapandhle kwesifazana nabantwana.

39 Se e mukise abantu, wa ngena emkunjinini, weza ezweni la seMagdala.

## ISAHLUKO 16.

**A**BAFARISI nabaSadusi beza ba m Alinga, ba cela kuye ukuba a ba bonise isibonakaliso sa sezulwini. isa. 12. 38.

Mark 8. 11. Luk. 11. 16. & 12. 54-56.

1 Kor. 1. 22.

2 Wa pendula wa ti kubo, Kusihlwa, ni ti, Li ya kusa, ngokuba li beja izulu.

3 Kusasa ni ti, li za kuna namhla, ngokuba li beja izulu, li fipele. Baze-nzisi, ni yazi ukuqikelela ukuma kwezulu; ni nge qikelele izibonakaliso zezi-kati na?

4 Isizukulwane esibi nesipingayo si funa isibonakaliso; kepa a si yi kupiwa isibonakaliso, kupela isibonakaliso sika Jona unprofeti. Wa se e ba shiya, e muka. isa. 12. 39.

5 Abafundi bake ba wela, be kohliwe ukupata isinkwa. Mark 8. 14.

6 uJesu wa ti kubo, Bhekani, ni xwaye invubelo yabaFarisi nabaSadusi.

Luk. 12. 1.

7 Ba zindhlisana ba ti, U tyo ngokuba si nga patanga ukudhla.

8 uJesu e kwazi, wa ti kubo, Nina aba nokukulwa okuncinyane, ni zindhlisanelani ni ti, ku ngokuba ni nga patanga ukudhla na?

9 A ni ka qondi ini, a ni kumbuli izinkwa ezi isihlanu zaba izinkulungwane ezi isihlanu, namaqoma ukuba na buta amangapi na? isa. 14. 17. John. 6. 9.

10 Nezinkwa ezi isikombisa zaba izinkulungwane ezine, namaqoma ukuba na buta amangapi na? isa. 15. 34.

11 Ini ni nga qondi ukuba a ngi kulumanga kini ngesiukwa, loku ngi ti, xwayani invubelo yabaFarisi nabaSadusi?

12 Kona ba qonda ukuba ka tyongo ukuti ma ba xwaye invubelo yesinkwa, kodwa ukufundisa kwabaFarisi nabaSadusi.

13 uJesu se e fikile ezweni la seKesaria Filipu, wa buza abafundi bake ngokuti, Abantu ba ti, mina iNdodana yomuntu ngi ngubani na? Mark 8. 27-30.

Luk. 9. 18-21.

14 Ba ti, Abanye ba ti, uJohane umbapatizi; abanye ba ti, uElija; abanye ba ti, uJeremia, nokuba omunye kubaprofeti. isa. 14. 2. Luk. 9. 7-9.

15 Wa ti kubo, Kepa uina ni ti ngi ngubani na?

16 uSimone Petro wa pendula wa ti, Wena u nguKristu, iNdodana ka Tixo opilayo. isa. 14. 33. John. 6. 69. & 11. 27.

Imis. 8. 37. & 9. 20. Heb. 1. 2, 5.

1 John. 4. 15. & 5. 5.

17 uJesu wa pendula wa ti kuye, U busisiwe wena, Simone ka Jona, ngokuba ku nga bonakalisiwe kuwe inyama negazi, kodwa uBaba o sezulwini.

Ef. 2. 8. 1 Kor. 2. 10. Gal. 1. 16.

18 Ngi ti kuwe, U uPetro; ngi ya kulaka ibandhla lami pezu kwa lelidwala; amasango ehaidese a ka yi kulahlula.

John. 1. 42. Ef. 2. 20. Isam. 21. 14.

Jobe 38. 17. Izihl. 9. 13. & 107. 18. Isai. 33. 10.

19 Ngi ya kukunika izihlutulelo zombuso wezulu; loko o ku bopayo emhlabeni, ku ya kubotywa na sezulwini; na loko o ku kululayo emhlabeni, ku ya kukululwa na sezulwini. isa. 18. 18.

John. 20. 23.

20 Lapo wa ba yala abafundi bake ukuba ba nga tyeli umuntu ukuti, uye-na uKristu. isa. 17. 9.

21 Kona uJesu wa qala ukubonisa abafundi bake ukuba a nga ya eJerusalem, a hlutywe kakulu amalunga, nabapristi abakulu, nababali, a bulawe, a vuke ngosuku lwesitatatu. isa. 20. 17.

Mark 3. 31. & 9. 31. & 10. 33.

Luk. 9. 22. & 18. 31. & 24. 6, 7.

22 uPetro wa m tabata, wa qala ukumkuzi, wa ti, Musa, Nkosi, ma ku nga bi njalo kuwe.

23 Wa penduka wa ti kuPetro, Suka, Satani, u isikubekiso kimi, a u naki okuka Tixo, u naka okwabantu.

24 Kona uJesu wa ti kubafundi bake, Uma umuntu e tanda ukuba emva kwami, a zidele, a tabate isipambano sake, a ngi landele. isa. 10. 38. Mark 8. 34.

Luk. 9. 23. & 14. 27. Imis. 14. 22. 1 Tes. 3. 3. 2 Tim. 3. 12.

25 Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake, wo kulahlekelwa; kodwa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami, wo ku fumana. Luk. 17. 33. John. 12. 25.

26 Ku ya kumsiza ngani umuntu, uma e zuzi izwe lonke, a lahlekelwe umpefumlo wake na? umuntu a nga hlenga ngani umpefumlo wake na? Izihl. 49. 7, 8.

27 iNdodana yomuntu i ya kuza ngobukosi buka Yise kanye nezingelosi zake, kona i ya kuvuza ilowo ngemisebenzi yake. isa. 26. 64. Mark 8. 38.

Luk. 9. 26. Dan. 7. 10. Zek. 14. 5.

isa. 25. 31. Jude 14. Jobe 34. 11. Izihl. 62. 12.

Amazwi 24. 12. Jer. 17. 10. & 32. 19.

Roine 2. 6. 1 Kor. 3. 8. 2 Kor. 5. 10.

1 Pet. 1. 17. Isam. 2. 23. & 22. 12.

28 Ngi qinisile ngi ti kini, Ba kona abanye abemiyo lapa, aba nga yi kuzwa ukufa, ba ze ba bone iNdodana yomuntu i za embusweni wayo. Mark 9. 1.

Luk. 9. 27.

## ISAHLUKO 17.

**E**MVA kwezinsuku ezi isitupa, uJesu wa tabata uPetro, noJakobe, noJohane umfo wabo, wa kupukela nabo entabeni ende be bodwa. Mark 9. 2-8.

Luk. 9. 28-36.

2 Wa penduka esinye isimo pambi kwabo; ubuso bake ba kanya njengelanga, izambato zake za ba mhlope nje ngokukanya.

3 Bheka, kwa bonakala kubo uMosi noElija, be kuluma naye.

4 uPetro wa pendula wa ti kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba si lapa; uma u tando, a sake lapa amadokodo amatatu; elinye li be e lako, nelinye li be e lika Mosi, nelinye li be e lika Elija.

5 E sa kuluma, bheka, ifu elikazimulayo la ba sitibeza; izwi la vela efwini la ti, Lo u iNdodana yami etandiweyo, engi kolwa iyo; i zweni. 2 Pet. 1. 17.

isa. 3. 17. Mark 1. 11. Luk. 3. 22. Isai. 42. 1.

Dut. 18. 15. 19. Imis. 3. 22, 23.

6 Abafundi bezwa, ba wa ngobuso, besaba kakulu. 2 Pet. 1. 18.

7 Kepa uJesu weza wa ba pata, wa ti, Sukani ni me, ni ngesabi.

Dan. 8. 18. & 9. 21. & 10. 10, 18.

8 Ba bheka, kepa a ba bonanga muntu, kupela uJesu yedwa.

9 Ba sehla entabeni, uJesu wa ba yala wa ti, Ni nga tyeli umuntu lesisibonakaliso, i ze i vuke iNdodana yomuntu kwabaflelo. isa. 16. 20.

Mark 8. 30. & 9. 9.

10 Abafundi bake ba m buza ba ti, Ababali ba tyoloni ukuti, Ko za ku fike uElija kuqala na? Mal. 4. 5. isa. 11. 14.

11 uJesu wa pendula wa ti kubo,

uElija u ya kuza kuqala impela, u ya kuhlela konke. Mal 4. 6. Luk. 1. 16, 17.

Imis. 3. 21.

12 Kepa ngi tj'kuni, uElija se wa fika, ba be nga m'azi; benza kuye aba ku tando. Njalo iNdodana yomuntu i ya kuhlutywa ibo.

isa. 11. 14. & 14. 3, 10. & 16. 21.

13 Kona abafundi bezwa ukuba wa kuluma kubo ngoJohane umbapatizi.

isa. 11. 14.

14 Se be fikile ebantwini, kweza kuye umuntu, wa guqa ngamadolo kuye, e ti, Mark 9. 14. Luk. 9. 37.

15 Nkosi, i haukele indodana yami, i nesitutwane, i hlupeka kakulu; i wa futifuti emilweni, i wa futifuti na semanziini.

16 Nga i leta kubafundi bako, kepa ba be nge i pilise.

17 uJesu wa pendula wa ti, Au, sizukulwane esingakolwayo nesipambukileyo, ngo ba nani ku ze ku be nini na? ko za ku be nini ngi ni bekezelele na? M leteni lapa kimi.

18 uJesu wa tetisa idemone, la puma kuyo: wa piliswa umntwana nga lesosikati.

19 Kona abafundi beza ku Jesu be bodwa, ba ti, Tina be si nge li kipe ngani na?

20 uJesu wa ti kubo, Ku ngokungakolwa kwenu. Ng'iqinisele ngi ti kini, Uma ni nenkolo e ngangenhlamvu yesinapi, ni nga ti ku lentaba, Suka lapa, u ye lalapaya, i suke; ku nga bi ko into e nahlayo. isa. 21. 21. Mark 11. 23.

Luk. 17. 6. 1 Kor. 12. 9. & 13. 2.

21 Kepa loluhlobo lu vela ngokukuleka, na ngokuzila ukudhla kupela.

22 Be sa hlezi eGalile, uJesu wa ti kubo, iNdodana yomuntu i ya kunike-lwa ezandhleni zabantu.

isa. 16. 21. & 20. 17.

Mark 8. 31. & 9. 30, 31. & 10. 33.

Luk. 9. 22, 44. & 18. 31. & 24. 6, 7.

23 Ba ya kuibulala, na ngosuku lobutatu i ya kuvuka. Ba dabuka kakulu.

24 Se be fike e Kapernaume, abamkela imali beza kuPetro, ba ti kuye, Umfundisi wenu a ka teli imali na? Mark 9. 33.

25 Wa ti, Yebo. E se ngene endhlini, uJesu wa m andulela wa ti, U tini, wena Simone? Amakosi omhlaba a tabata kobani isiteliso nenkolo na? Kubantwana bawo, nokuba kubafo na?

26 uPetro wa ti kuye, Kubafa, uJesu

wa ti kuye, Ngako abantwana ba kululekile.

27 Kodwa ukuba si nga ba cunuli, yiya elwandhle uponse udobo, u bambe inhlauzi e puma kuqala; se u i kamisile umlomo, u ya kutola imali; u i tabate, u ba nike i be eyami neyako.

## ISAHLUKO 18.

**N**GA lesosikati abafundi beza kuJesu, ba ti, Ubani omkulu embusweni wezulu na?

Mark 9. 33-37.

Luk. 9. 46-48. & 22. 24.

2 uJesu wa biza umntwana, wa m misa pakati kwabo.

3 Wa ti, Ng'iqinisele ngi ti kini, Uma ni nga penduki, ni be njengabantwana, ni nge ngene embusweni wezulu.

Izihl. 131. 2. isa. 19. 14. Mark 10. 14.

Luk. 18. 16. 1 Kor. 14. 20. 1 Pet. 2. 2.

4 Lowo o zitoba njenga lomntwana, uyena omkulu embusweni wezulu.

isa. 20. 27. & 23. 11.

5 Na lowo o m amkela umntwana onje ngegama lami, u ya ngamkela mina.

isa. 10. 42. Luk. 9. 48.

6 Kodwa o kubekisa omunye ku laba abancinyane aba kolwa imi, ku m lungele ukuba itye lokusila li panyekwe entanyeni yake, a cwilise elwandhle.

Mark 9. 42. Luk. 17. 1, 2.

7 Nako ezweni ngezikubekiso; ku ngeza izikubekiso; kodwa nako ku lomuntu isikubekiso esi za ngaye!

isa. 26. 24. 1 Kor. 11. 19.

8 Uma isandhla sako, nokuba unyawo lwako lu ku kubekisa, lu nqume, u lu lahle; kuhle kuwe ukungena ekupileni u isilima, noma u unyonga, ku nokuba u nezandhla ezimbili, nezinyawo ezimbili, u ponswe emilweni opakade.

isa. 5. 29, 30. Mark 9. 43, 45.

9 Uma iso lako li ku kubekisa, li kipe, u li lahle; kuhle kuwe ukungena ekupileni u neso linye, ku nokuba u namehlo amabili, u pouswe egehena lomlilo.

10 Bhekani ukuba ni nga deleni namunye ku laba abancinyane; ngi ti kini, Izingelosi zabo ezulwini zi bheka njalo ubuso buka Baba o sezulwini.

Izihl. 34. 7. Zek. 13. 7. Heb. 1. 14.

Eset. 1. 14. Luk. 1. 19.

11 iNdodana yomuntu i ze kusindisa okulahlekileyo. Luk. 9. 56. & 19. 10.

John. 3. 17. & 12. 47.

12 Ni tini na? Uma umuntu e nezimvu ezi ikulu, kweduke enye kuzo, a ka zi shiyi ini ezi mashumi ashiyanga-

lolunye nesishiyagalolunye ezintabeni, a ye a i fune eyedukileyo na? Luk. 15. 4.

13 Uma e i tofile, ngi qinisile ngi ti kini, u i jabulela kakulu ku na lezo ezimashumi ashiyagalolunye nesishiyagalolunye ezi ngedukanga.

14 Kunjalo a siyo intando ka Yihlo o sezulwini, ukuba a bube noyedwa ku laba abancinyane.

15 Uma umzalwane wako e kona wena, hamba u m sole, u naye ni nodwa; uma e ku zwa, u mi zuzile umzalwane wako. Levi 19. 17. Luk. 17. 3. Jak. 5. 20. 1 Pet. 3. 1.

16 Kodwa uma e nga ku zwa, tabata a be munye, nokuba be babili, ukuze leyondaba i qiniswe ngomlomo wofakazi ababili, nokuba be batatu.

Dut. 17. 6. & 19. 15. John. 8. 17. 2 Kor. 13. 1. Heb. 10. 23.

17 Uma e ngezwa labo, ku bike ebandhlени; uma e ngezwa ibandhla, a ka be kuwe njengowezizwe nomtelisi.

Rome 16. 17. 1 Kor. 5. 9. 2 Tes. 3. 6, 14. 2 John. 10.

18 Ngi qinisile ngi ti kini, Loko eni ku bopayo emhlabeni, ku ya kubotywa na sezulwini; na loko eni ku kululayo emhlabeni, ku ya kukululwa na sezulwini. isa. 16. 19. John. 20. 23. 1 Kor. 5. 4.

19 Futi ngi ti kini, Uma ababili kini be vumelana emhlabeni ngenito etile, aba i celayo, ba ya kuyenzelwa uBaba o sezulwini. isa. 5. 24. 1 John. 3. 22. & 5. 14.

20 Ngokuba lapo ku butene ababili, noma be batatu ngegama lami, ngi kona pakati kwabo.

21 Kona uPetro weza kuye, wa ti, Nkosi, umfo wetu u ya kungona kangapi, ngi m tetelele na? ku ze ku be ka kombisa na? Luk. 17. 4.

22 uJesu wa ti kuye, A ngi tyo kuwe ukuti, ku ze ku be kakombisa, kodwa ku ze ku be amashumi a isikombisa ezikombisa. isa. 6. 14. Mark 11. 25. Kol. 3. 13.

23 Ngaloku umbuso wezulu u fana nomuntu o inkosi, e tanda ukulandisana nezinceku zake.

24 E sa qala ukuzilandisa, kwa letwa kuye enye e necala lamatalenta a izinkulungwane ezi ishumi.

25 Kepa i nge naluto lokukoka, inkosi yayo ya ti a ku tengwe ngayo, nomkayo, nabantwana bayo, nako konke a nako, ku kokwe. 2 Ama. 4. 1. Neh. 5. 8.

26 Inceku ya kotama, ya kuleka kuyo, ya ti, Nkosi, a ku ngi melele, ngi ku kokele konke.

27 Inkosi ya leyonceku ya i haukela, ya i yeka, ya i tetelela icala.

28 Kepa leyonceku ya puma, ya fumana enye inceku ya kubo, e necala kuyo lodenario aba ikulu; ya i bamba ngompimbo, ya ti, Ngi kokele o necala ngako.

29 Ya suka inceku ya kubo, ya kotama ngasezinyaweni zayo, ya i ncenga, ya ti, A ku ngi melele, ngi ku kokele konke.

30 Kepa a i vumanga, yesuka ya i faka cilongweni, i ze i koke icala.

31 Izinceku za kubo zi bone okwenziweyo, za dabuka kakulu; za ya za bika enkosini yazo konke okwenziweyo.

32 Kona inkosi yayo ya i biza, ya ti kuyo, Nceku embi, nga ku tetelela lonke lelocala, ngokuba wa ngi ncenga.

33 Nga u nga haukelanga inceku ya kini, njengaloku nga ku haukela na?

34 Inkosi yayo ya tukutela, ya i nikela kumapolisa, ku ze ku kokwe icala lonke e nalo.

35 NoBaba o sezulwini u ya kwenza njalo kinina, uma ni nga teteleli ngenhliziyo, ku be ilowo umfo wabo izono zake. Amazwi 21. 13. isa. 6. 12.

Mark 11. 26. Jak. 2. 13.

## ISIAHLUKO 19.

**K**WA ti, uJesu se e qedile lawamazwi, wesuka eGalile, weza ezweni la seJudia, ngapeshya kweJordani.

Mark 10. 1. John. 10. 40.

2 Ba m landela abantu abaningi; wa ba pilisa lapo. isa. 12. 15.

3 Kweza kuye abaFarisi, be mlinga ba ti kuye, Ku vuyelwe ini umuntu ukuba a lahle umkake ngamacala onke na?

4 Wa pendula wa ti kubo, A ni fundanga ini ku tiwa, owenza abantu ekuqaleni, wa benza isilisa nesifazana.

Gen. 1. 27. & 5. 2. Mal. 2. 15.

5 Wa ti, Ngaloko umuntu u ya kushiya uyise nonina, a bambelele kumkake; labo babili ba ya kuba inyamanye. Gen. 2. 24. Mark 10. 5-9. Ef. 5. 31.

1 Kor. 6. 16. & 7. 2.

6 Njalo a ba se babili, ba inyamanye. Loku uTixo a ku hlanganisileyo, ma ku ngahlukaniswa umuntu.

7 Ba ti kuye, uMosi wa yala ngani, ukuba a nikwe inewadi yokwahlukanisa, a lahlwe na? Dut. 24. 1. isa. 5. 31.

8 Wa ti kubo, Ngobulukuni bezinhliziyo zenu uMosi wa ni vumela ukulahla omkenu; kepa kwa ku uge njalo ekuqaleni.

9 Ngi ti kini, Lowo o lahla umkake, e nga m lahli ngokupinga, a ganwe omunye, u ya pinga; noganwa olahliweyo u ya pinga: isa. 5. 32. Mark 10. 11. Luk. 16. 18. 1 Kor. 7. 10, 11.

10 Abafundi bake ba ti kuye, Uma kunjalo kumuuntu nomkake a ku kuhle ukuganwa. Amazwi 21. 19.

11 Wa ti kubo, A ba lamkeli lelizwi bonke; kupela bona aba li nikiweyo.

1 Kor. 7. 2, 7, 9, 17.

12 Ku kona abateniweyo, aba zalwa be njalo kwa siswini sika nina; ku kona nabateniweyo, be tenwe abantu; ku kona nabateniweyo, aba ziteniweyo ngombuso wezulu. O namandhla okwamkela loku, a kwamkele.

1 Kor. 7. 32, 34. & 9. 5, 15.

13 Kona kwa letwa kuye abantwana, ukuba a beke izandhla pezu kwabo, a kuleke; kepa abafundi bake ba ba kuza.

Mark 10. 13. Luk. 18. 15.

14 uJesu wa ti, Vumelani abantwana, ni nga ba ngabeli ukuza kimi; ngokuba umbuso wezulu u ngowabanjalo.

isa. 18. 3.

15 Wa beka izandhla pezu kwabo, wemuka lapo.

16 Bheka, kwa fika umuntu, wa ti kuye Mfundisi olungileyo, ngi ya kwenza okulungileyo kuni, ngi be nokupila okupakade na?

Mark 10. 17.

Luk. 18. 18.

17 Wa ti kuye, U ngi bizelani u ti, ngi lungile na? A ku ko olungileyo, munye kupela, uTixo. Kepa uma u tanda ukungena ekupileni, londa imiyalo.

18 Wa ti kuye, Imipi na? uJesu wa ti, Le yokuti, U nga bulali; U nga pingi; U ngebi; U nga qiniseli amanga;

Eks. 20. 13. Dut. 5. 17.

19 Dumisa uyihlo nonyoko; Wo tanda owakelene naye njengokuba u zitanda wena.

Levi 19. 18. & 22. 39. isa. 15. 4.

Rome 13. 9. Gal. 5. 14. Jak 2. 8.

20 Umlisa wa ti kuye, Loku konke ngi ku gcinile kwa sebutyeni bami; ngi sa utulani na?

21 uJesu wa ti kuye, Uma u tanda nkupelela, haniba u ngise ngako o nako, u babele abampofu; u ya kuba nemfuyo ezulwini; u ze u ngi landele.

isa. 6. 20. Luk. 12. 33. & 16. 9.

Imis. 2. 45. & 4. 31, 35. 1 Tim. 6. 18, 19.

22 Umlisa e zwile lelozwi, wemuka e dabukile, ngokuba wa e nemfuyo eningi.

23 uJesu wa ti kubafundi bake, Ngi

qinisile ngi ti kini Ku lukuni kofuyileyo ukungena embusweni wezulu. isa. 13. 22.

Mark 10. 24. 1 Kor. 1. 26. 1 Tim. 6. 9, 10.

24 Futi ngi ti kini, Ku lula ukuba ikameli li ngene entunjeni yosungulo, ku nokuba ofuyileyo a ngene embusweni ka Tixo.

25 Abafundi bake se be zwile loku, ba mangala kakulu, ba ti, Ubani o nga sindiswayo na?

26 uJesu e ba bheka, wa ti kubo, Kubantu ku ngenzeke loku, kodwa kuTixo ku ngenzeke konke.

Gen. 18. 14.

Jobe 42. 2. Jer. 32. 17. Zek. 8. 6.

Luk. 1. 37. & 18. 27.

27 Kona uPetro wa pendula wa ti kuye, Bheka, tina si shiye konke, si ku landele; so ba nani na?

Dut. 33. 9.

isa. 4. 20. & 5. 11. Mark 10. 28. Luk. 18. 28.

28 uJesu wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Nina eni ngi landeleyo, ngokupinda ukuzalwa lapo iNdodana yomuntu se i hlezi esihlalweni sobukosi bayo, ni hlale ezihlalweni ezi ishumi nambili, nahluhle izizwe ezi ishumi nambili zaba Israeli.

isa. 20. 21.

Luk. 22. 28, 29, 30. 1 Kor. 6. 2, 3. Isam. 2. 26.

29 Nabo bonke aba shiye izindhlu nabafo wabo, nodade wabo, noyise, nonina, nomfazi, nabantwana, namazwe ngegama lami, ba ya kwamkeliswa ikulu, ba dhle ifa lokupila okupakade.

Mark 10. 29, 30. Luk. 18. 29, 30.

30 Kepa abaningi abokuqala bo ba abokupela, nabokupela bo ba abokuqala.

isa. 20. 16. & 21. 31, 32. Mark 10. 31.

Luk. 13. 30.

## ISIAHLUKO 20.

UMBUSO wezulu u fana nomuntu o umninindhlu, owa puma kusasa ukubiza izisebenzi zi ye esivinihi saka.

2 Se e vumelene nezisebenzi ukuzikokela udenario ngosuku, wa zi tuma esivinihi saka.

3 Wa buya wa puma ngehora lesitatu, wa bona abanye be mi endaweni yokubutana, be nga sebenzi luto,

4 Wa ti kubo, Hambani nani, ni ye esivinihi, ngo ni nika okufaneleyo. Ba ya.

5 Wa buya wa puma ngehora lesitupa, neleshiyangalohunye, wenza njalo.

6 Wa puma na ngehora lesihumi nanye, wa fumana abanye be mi, be nga sebenzi luto, wa ti kubo, Ni meleni lapa usuku lonke ni nga sebenzi na?

7 Ba ti kuye, A si tolwa muntu. Wa

ti kubo, Hambani nani ni ye esivini; ni ya kwamkeliswa okufaneleyo.

8 Se ku hlwile, umnisisivini wa ti encekwini yake, Biza izisebenzi, u zi kokele imali yazo; u qale kwabokupela, u geine kwabokuqala.

9 Kweza aba bizwa ngehora leshumi nanye, kwa ba ilowo wamkeliswa udenario.

10 Kweza abokuqala, ba ti ba za kwamkeliswa kakulu; kepa nabo bankeliswa udenario ngabanye.

11 Kepa se bankelisiwe, ba sola umnindhlulu.

12 Ba ti, Laba bamva ba sebenze ihora linye, u ba linganise nati, esi twale ubunzima nokufudumala kwemini.

13 Wa pendula wa ti komunye kubo, Mganga, a ngi koni ngaluto; a u vumelananga nani ngodenario na?

14 Tabata okwako, u hambe; ngi tando ukunika lo wamva njengawe.

15 A ku fanele ini ukuba ngenze engi ku tandayo ngokwami na? Iso lako libi, ngokuba ngi lungile na? Rome 9. 21.

Dut. 15. 9. Amazwi 23. 6. isa. 6. 23.

16 Njalo abokupela ba ya kuba abokuqala, nobokuqala ba be abokupela; ngokuba baningi ababiziweyo, kodwa ba incozana abaketiweyo. isa. 19. 30. & 22. 14.

17 uJesu e kupukela eJerusalema, wa tabata, abafundi aba ishumi nambili be bodwa endhileleni, wa ti kubo,

Mark 10. 32. Luk. 18. 31. John. 12. 12.

18 Bhekani, si kupukela eJerusalema, iNdodana yomuntu i ya kunikelwa kubapristi abakulu nababali; ba ya kuilahla ukuba i fe. isa. 16. 21.

19 Ba i nikele kwabezizwe, i hlekisiwe, i tyaywe, i betelwe, kepa ngosuku lwesitatu yo buya, i vuke. isa. 27. 2. Mark 15. 1.

Luk. 23. 1. John. 18. 28-32. Imis. 3. 13.

20 Kona kwa fika kuye unina wamadodana ka Zebedi kanye namadodana ake; wa kuleka, e cela into kuye.

Mark 10. 35-45. isa. 4. 21.

21 Wa ti kuye, U funani na? Wa ti kuye, Yityo ukuba lawamadodana ami amabili a hlale, enye ngakwesokunene sako neye ngakwesokohlo sako embusweni wako. isa. 19. 28.

22 uJesu wa pendula wa ti, A ni kwazi eni ku celayo. Ni nga puza isitya, engi ya kusipuza na? ni nga bapatzwa ngokubapatzwa engi bapatzwa ngako na? Ba ti kuye, Si ngenza.

isa. 26. 39, 42. Mark 14. 36.

Luk. 22. 42. & 12. 50. John. 18. 11.

23 Wa ti kubo, Nembala ni ya kupuza isitya sami, ni bapatzwe ngokubapatzwa e ngi bapatzwa ngako; kepa ukuhlala ngakwesokunene, na ngakwesokohlo sami, a siko okwami ukupa, ba ya kupiwa aba ku lungiselwe uBaba.

Imis. 12. 2. Rome 8. 17. 2 Kor. 1. 7.

Isam. 1. 9. isa. 25. 34.

24 Be ku zwa loko aba ishumi, ba cunuka nga lezozelamani ezimbili.

Luk. 22. 24-27.

25 Kepa uJesu wa ba biza wa ti, Ni yazi ukuba amakosi ezizwe a ya zi busa, nabakulu ba namandhla pezu kwazo.

26 A ku yi kuba njalo pakati kwenu; kodwa o tanda ukuba mkulu pakati kwenu, ka be isikonzi senu. 1 Pet. 5. 3.

isa. 23. 11.

27 No tanda ukuba owokuqala kini ka be inceku yenu. isa. 18. 4.

28 NjengeNdodana yomuntu a i zanga ukukonzwa, kodwa yeza ukukonza, nokunika ukupila kwayo ku be isihlaulo sabaningi. John. 13. 4.

Filemone 2. 7. John. 13. 14. || Isai. 53. 10, 11. John. 11. 51, 52. 1 Tim. 2. 6. Titusi 2. 14.

1 Pet. 1. 19. || isa. 26. 28. Heb. 9. 28.

29 Be sa puma eJeriko, wa landelwa abantu abaningi. Mark 10. 46-52.

Luk. 18. 35-43.

30 Bheka, izimpumpte ezimbili zi hlezi endhileleni, se zi zwile ku dhlula uJesu, za memeza za ti, Si haukele, Nkosi, Ndodana ka Davida. isa. 9. 27.

31 Kepa abantu ba zi kuzi ukuba zitule; kodwa za memeza kakulu, za ti, Si haukele, Nkosi, Ndodana ka Davida.

32 Wema uJesu, wa zi biza, wa ti, Ni tanda ukuba ngi nenzeleni na?

33 Za ti kuye, Nkosi, si tanda ukuba amehlo etu a vulwe.

34 uJesu wa zi haukela, wa pata amehlo azo; a ti masinyane amehlo azo a bheka, za m landela.

## ISAHLUKO 21.

**L**APO be sondela eJerusalema, se be fikile eBetfage, entabeni yemihlwa, uJesu wa tuma abafundi ababili,

Mark 11. 1-10. Luk. 19. 29-38.

2 Wa ti kubo, Hambani ni ye emzameni o bhekene nani, ni ya kufumana masinyane imbongolo i botyiwe, netole li nayo: zi tukululeni, ni zi lete kimi.

3 Uma ununtu e tyo luto kini, ni ya kuti, Inkosi i ya zi funa; u ya kuzitumela masinyane.

4 Loku konke kwenziwa ukuba ku gwaliseke okwa shunyayelwa umprofeti ukuti,

5 Yityoni kuyo indodakazi ka Zion i ukuti, Bheka, inkosi yako i za kuwe, i mnene, i kwele embongolweni, na setoleni lembongolo. Isai. 62. 11. Zek. 9. 9. John. 12. 15.

6 Abafundi ba hamba, benza njengokubayala kuka Jesu,

7 Ba leta imbongolo netole, ba beka izingubo zaba pezu kwazo, ba m hlalisa pezu kwazo. 2 Ama. 9. 13.

8 Abantu abaningi bendhlala izingubo zabo endhleleni; abanye ba gaula amatagya emiti, ba wendhlala endhleleni.

John. 12. 13.

9 Abantu aba be hamba pambili, naba be m landela, ba memeza, be ti, Hosana kuyo iNdodana ka Davida, A ku bongwe ozayo ngegama leNkosi; Hosana kwelipezulu. Izihl. 118. 25, 26. isa. 23. 39.

10 Se e ngene eJerusalem, umuzi wonke wa nyakazela, wa ti, Ubani lo? Mark 11. 15. Luk. 19. 45. John. 2. 13, 15.

11 Ba ti abantu, Lo u uJesu umprofeti wa seNazareta la seGalile. isa. 2. 23. Luk. 7. 16. John. 6. 14. & 7. 40. & 9. 17.

12 uJesu wa ngena etempelini, wa kipa abatengi nabatengisayo etempelini, wa gumbuqela amathebula abatengisa ngemali, nezihlalo zabatengisa ngamajuba; Mark 11. 15-19. Luk. 19. 45-47.

John. 2. 15. Dut. 14. 25.

13 Wa ti kubo, Ku lotyiwe ukuti, Indhlu yami i ya kutiwa indhlu yokukuleka, kepa nina ni yenze umhume wabapangi. Isai. 56. 7. Jer. 7. 11.

14 Kwa fika kuye izimpumpute nezinyonga etempelini, wa zi pilisa.

15 Abapristi abakulu nababali be bona imimangaliso a yenzayo, nabantwana be memeza etempelini, be ti, Hosana kuyo iNdodana ka Davida ba tukutela.

16 Ba ti kuye, U yezwa loku aba ku tyoyo na? uJesu wa ti kubo, Yebo; a ni zanga ni funde ini ukuti, ngomlomo wezingane nowabancelayo u vezile udumiso? Izihl. 8. 2.

17 Wa ba shiya, wa puma emzini, wa ya eBetani, wa ngenisa kona. Mark 11. 11. John. 11. 18.

18 Kusasa e se buyela emzini, wa lamba. Mark 11. 12-14.

19 Wa bona umkiwane nga sendhleleni, wa ya kuwo kodwa ka fumananga luto kuwo, amaqabunga kupela; wa ti kuwo, A ku nga bi ku sa vela ukudhla

kuwe napakade. Wa buna masinyane umkiwane.

20 Abafundi se be bone loko, ba mangala, ba ti, Yeka umkiwane u su bunile! Mark 11. 20.

21 uJesu wa pendula wa ti kubo, Ngi qinisele ngi ti kini, Uma ni nenkolo, ni nga ngabazi, a ni yi kwenza loko komkiwane kodwa, kepa uma ni ti ku lentaba, Suka, uponseke elwandhle, ku za kwenzeka. isa. 17. 20. Luk. 17. 6.

1 Kor. 13. 2. Jak. 1. 6.

22 Konke eni ku celayo ngokukuleka, ni kolwa, no kwamkeliswa. isa. 7. 7.

Mark 11. 24. Luk. 11. 9. Jak. 5. 16.

1 John. 3. 22. & 5. 14.

23 Se e ngene etempelini, abapristi abakulu namalunga abantu beza kuye, e sa fundisa, ba ti, U zenza lezizinto ngamapi amandhla na? Ubani owa ku nika lamandhla na? Mark 11. 27-33. Luk. 20. 1-8. Eks. 2. 14. Imis. 4. 7. & 7. 27.

24 uJesu wa pendula wa ti kubo nami ngi ya kunibuza into i benye; uma ni ngi tyela yona, ngi ya kunityela amandhla engenza ngawo lezizinto.

25 Ukubapatiza kuka Johane, kwa velapi na? Ezulwini, nokuba kubantu na? Ba zindhlalisa, be ti, Uma si ti, Ezulwini; i ya kuti kitina, A ni kolwanga uye ngani na?

26 Kodwa uma si ti, Kubantu; si yesaba abantu; ngokuba ba ti bonke, uJohane u umprofeti. isa. 14. 5. Mark 6. 20. Luk. 20. 6.

27 Ba pendula ba ti kuJesu, A sazi. Wa ti kubo, Nami a ngi yi kunityela amandhla engenza ngawo lezizinto,

28 Kepa ni fini na? Umuntu wa e namadodana amabili; weza, kweyokuqala, wa ti, Ndodana, hamba u yo sebenza namhla esivini sami.

29 Ya pendula ya ti, A ngi yi kuya, kepa ngasemva ya penduka ya ya.

30 Weza kweyesibili, wa tyo ngokunjalo. Yona ya pendula ya ti, Ngi ya ya, Nkosi, kepa a i yanga.

31 U mupi ku labobabili owa yenza intando ka yise na? Ba ti kuye, owo-kuqala. uJesu wa ti kubo, Ngi qinisele ngi ti kini, abatelisi nezifebe ba ya ni pangela ukungena embusweni ka Tixo. Luk. 7. 29, 50.

32 Ngokuba uJohane weza kini nge-ndhlela yokulunga, a ni kolwanga uye; abatelisi nezifebe ba kolwa uye; kodwa nina, se ni bonile, a ni pendukanga ngasemva, ukuba ni kolwe uye. isa. 3. 1.

Luk. 3. 12, 13.



33 Yizwani omunye umfanekiso; Kwa ku kona umuntu umninindhlu, owa tyala isivini, wa si biyela utango, wemba isikamo sevini, waka ixiba, wo si tyeleka abalimi, wesuka wa ya kwelinye izwe. Izihl. 80. 9. Isihl. 8. 11. Isai. 5. 1. Jer. 2. 21. Mark 12. 1-12. Luk. 20. 9-19.

isa. 25. 14, 15.

34 Isikati sezitelo se si sondele, wa tuma izinceku zake kubalimi ukutabata izitelo zaso. Isihl. 8. 11, 12.

35 Abalimi ba zi bamba izinceku zake, ba i tyaya enye, ba i bulala enye, ba i kanda enye ngamatye.

2 Kron. 24. 21. & 36. 16. Neh. 9. 26.

isa. 5. 12. & 23. 34, 37. Imis. 7. 52.

1 Tes. 2. 15. Heb. 11. 36, 37.

36 Wa buya wa tuma ezinye izinceku eziningi ku nezokuqala; benza njalo na kuzona.

37 Ekugcineni wa tuma kubo indodana yake, wa ti, Ba ya kuihlonipa indodana yami.

38 Kodwa abalimi be bone indodana, ba kuluma ba ti, Lo u indhlalifa; zani- ni, si i bulale si bambe ifa lake.

Izihl. 2. 8. Heb. 1. 2. isa. 26. 3. & 27. 1.

John. 11. 53. Imis. 4. 27.

39 Ba m bamba, ba m kipela, ngapandhle kwesivini, ba m bulala.

isa. 26. 50. Mark 14. 46.

Luk. 22. 54. John. 18. 12. Imis. 2. 23.

40 Nxa i si fikile inkosi yesivini, i ya kwenzani ku labobalimi na?

41 Ba ti kuye, I ya kubabulala nekubulala labobalimi ababi; isivini sayo i ya kusityeleka abanye abalimi, aba ya kuinika izitelo ngesikati sazo.

Luk. 21. 24. Heb. 2. 3.

Imis. 13. 46. & 15. 7. & 18. 6. & 28. 28.

Rome 9, & 10, & 11.

42 uJesu wa ti kubo, A ni zanga ni fuude ini emibalweni ukuti, Itye elihlahliweyo abaki, ilona se li inhloko yegumbi; loku kwenziwe inkosi; ku isimangaliso emehlweni e?

Izihl. 118. 22. Isai. 28. 16. Imis. 4. 11.

Ef. 2. 20. 1 Pet. 2. 6, 7.

43 Ngaloku ngi ti kini, Ni ya kuwapewa umbuso kaTixo, u nikwe isizwe esi veza izitelo zawo. isa. 8. 12.

44 Owayo pezu kwa lelitye, wo cotyozwa; kodwa lowo eli wa pezu kwake, lo m colisa. Isai. 8. 14, 15. Zek. 12. 3.

Rome 9. 33. 1 Pet. 2. 8. Isai. 60. 12. Dan. 2. 44.

45 Abapristi abakulu nabaFarisi se be zwile imifanekiso yake, bazi ukuba u shumayela ngabo.

46 Ba funa ukumbamba, kepa besaba abantu, ngokuba be ti, u mprofeti.

isa. 21. 11. Luk. 7. 16. John. 7. 40.

## ISAHLUKO 22.

UJESU wa pendula, wa shumayela futi kubo ngemifanekiso, e ti, Luk. 14. 16. Isa. n. 19. 7, 9.

2 Umbuso wezulu u fana nomuntu o inkosi, owenzela indodana yake umtimba,

3 Wa tuma izinceku zake ukubiza abamenyiweyo ukuza emtimbeni: ba be nga vumi ukuza.

4 Wa buya wa tuma ezinye izinceku, wa ti Yityoni kwabamenyiweyo ukuti, Bhekani, se ngi lungisile ukudhla kwami, izinkabi zani nezikulupeleyo zi hlatyiwe nako konke ku lungile; wozani emtimbeni. Amazwi 9. 2.

5 Kodwa be nga nakile bemuka, omunye wa ya ezweni lake, omunye entengweni yake.

6 Abanye ba bamba izinceku zake, ba zi hlupa, ba zi bulala.

7 Inkosi se i zwile, ya tukutela, ya tuma impi yayo, wa ba bulala labo ababulali, ya tyisa umuzi wabo. Dan. 9. 26.

Luk. 19. 27.

8 Kona wa ti ezincekwini zayo, Umtimba se u lungile, kodwa abamenyiweyo ba be nga fanele. isa. 10. 11, 13. Imis. 13. 46.

9 Ake ni hambe ni ye enhlanganweni yezindhlela, ni meme bonke eni ba fumanayo, beze emtimbeni.

10 Lezozinceku za puma za ya ezindhleleni, za buta bonke eza ba fumanayo, ababi nabahle; umtimba wa zala aba hlezi ekudhleni. isa. 13. 38, 47.

11 Inkosi i ngenile ukubona aba hlezi ekudhleni ya bona kona umuntu o nge nangubo yomtimba. 2 Kor. 5. 3. Ef. 4. 24. Kol. 3. 10, 12. Isam. 3. 4. & 16. 15. & 19. 8.

12 Ya ti kuye, Mingane, u ngene lapa kanjani, u nge nangubo yomtimba na? Wa tula.

13 Kona inkosi ya ti ezincekwini, M bopeni izinyawo nezandhla, ni m tabate, ni m ponse ebunmyameni obungapandhle; lapo ko ba kona ukukala noku- gedhla amazinyo. isa. 8. 12.

14 Abamenyiweyo baningi, kodwa abaketiweyo ba incozana. isa. 20. 16.

15 Kona abaFarisi besuka, benza icebo lokuba ba m bhabise nokushumayela kwake. Mark 12. 13. Luk. 20. 20.

16 Ba tuma kuye abafundi babo kanye nabaka Herodi, ba ti, Mfundisi, Si yazi

ukuba u qinisile, u fundisa indhlela ka Tixo ngeqinisile, a u naki umuntu, ka bheki ubuso babantu.

17 Ngako si tyela, U tini na? ku fanele ukutela imali kuKesari, nokuba ukungateli na?

18 Kepa uJesu e kwazi ukushinga kwabo, wa ti, Ni ngi, lingelani, nina bazenzisi?

19 Ngi boniseni imali yokutela. Ba leta kuye udenario.

20 Wa ti kubo, Ku ngokuka bani lomfanekiso, na lombalo na?

21 Ba ti kuye, Okuka Kesari, Kona wa ti kubo, M nikeni uKesari okuka Kesari, noTixo okuka Tixo. isa. 17. 25.

Rome 13. 7.

22 Se be zwile, ba mangala, ba m shiya, bemuka.

23 Nga lolosuku kwa fika kuye abasadusi, aba ti, a ku ko ukuvuka kwabafileyo, ba m buza,

Mark 12. 18.

Luk. 20. 27. Imis. 23. 8.

24 Be ti, Mfundisi, uMosi wa ti, uma umuntu e fa, e nge nabantwana, umfo wabo wo ngena kumkake, a vusele umfo wabo inzalo.

Dut. 25. 5.

25 Kwa ku kona kiti izelamani ezi isikombisa; owokuqala wa ganwa, wa fa, e nge nanzalo, wa shiya umkake kumfo wabo.

26 Wenze njalo nowesibili, nowesitatu, kwa za kwa fika kowesikombisa.

27 Emva kwabo bonke wa fa nomfazi.

28 Ekuvukeni wo ba umka bani kwaba isikombisa? loku bonke ba be naye.

29 uJesu wa pendula wa ti kubo, Nedukile, ni ngazi imibalo, namandhla ka Tixo.

John. 20. 9.

30 Ngokuba ekuvukeni a ba ganwa, a bendiswa; kodwa ba njengezingelosi zika Tixo ezi sezulwini.

1 John. 3. 2.

31 A ni fundanga ini okwa shunyayelwa uTixo kini ngokuvuka kwabafileyo, e ti?

32 Ngi nguTixo ka Abrahamama noTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe; uTixo a siye uTixo wabafileyo kodwa owabapilayo.

Eks. 3. 6, 16.

Mark 12. 26. Luk. 20. 37. Imis. 7. 32.

Heb. 11. 16.

33 Abantu se be zwe loku, ba mangala ngokufundisa kwake.

isa. 7. 28.

34 abaFarisi be zwile ukuba wa be e tulise abasadusi, ba butana ndawonye.

Mark 12. 28.

35 Omunye wa kubo, ummeli, wa m buza, e m linga, wa ti,

Luk. 10. 25.

36 Mfundisi, u mupi umyalo omkulu emetfweni na?

37 uJesu wa ti kuye, Wo tanda iNkosi, uTixo wako, ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumlo wonke wako, na ngokuqonda konke kwako.

Dut. 6. 5. & 10. 12. & 30. 6. Luk. 10. 27.

38 Ilo umyalo wokuqala nomkulu.

39 Nowesibili u fana nawo wokuti, Wo tanda owakelene naye njengaloku u zitanda wena.

Levi 19. 18. isa. 19. 19.

Mark 12. 31. Luk. 10. 27. Rome 13. 9.

Gal. 5. 14. Jak. 2. 8.

40 Ku leniyalo emibili ku bambelele umfeto wonke nabaprofeti.

isa. 7. 12.

1 Tim. 1. 5.

41 abaFarisi se bu butene, uJesu wa ba buza,

Mark 12. 35. Luk. 20. 41.

42 Wa ti, Ni tini nina ngoKristu na? U indodana ka bani na? Ba ti kuye, Ka Davida.

43 Wa ti kubo, Po! uDavida wa m biza kanjani ngoMoya ukuti, iNkosi, e ti,

44 iNkosi ya ti eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami, ngi ze ngenze izita zako zi be isenabelo sako?

Izihl. 110. 1. Imis. 2. 34. 1 Kor. 15. 25.

Heb. 1. 13. & 10. 12, 13.

45 Uma uDavida e m biza oku kuti iNkosi, u indodana yake kanjani na?

46 A ku bangako o nga m pendula ngezwi; emva kwa lolosuku a kwa ba ko muntu o nesibindi sokumbuza luto.

Mark 12. 34. Luk. 14. 6. & 20. 40.

## ISAHLUKO 23.

**K**ONA uJesu wa shumayela kubantu, na kubafundi bake,

2 Wa ti, Ababali nabaFarisi ba hlezi esikundhleni sika Mosi.

Neh. 8. 4, 8.

Mal. 2. 7. Mark 12. 38-40. Luk. 20. 45-47.

3 Konke aba ku tyoyo kini ukuba ni ku geine, ku geineni, ni kweze; kodwa ni ngenzi njengemisebenzi yabo; ngokuba be tyo, be ngenzi.

Rome 2. 19-23.

4 Ngokuba be bopa imitwalo enzima nesindayo, ba i beka emahlombe abantu; kodwa aba vumi ukuiyata na ngomunwe wabo.

Luk. 11. 46.

Imis. 15. 10. Gal. 6. 13.

5 Imisebenzi yonke yabo ba yenza ukuba ba bonwe abantu; ba yenza a be banzi amafilakterio abo, ba yenza i be mikulu imipeto yezingubo zabo.

isa. 6. 1, 2, 5, 16. Imib. 15. 38.

Dut. 6. 8. & 22. 12. Amazwi 3. 3.

6 Ba tanda izihlalo za senhla ekudhle-

ni, nezihlalo ezi pambili ezindhlini zokusonta. Mark 12. 38, 39.

Luk. 11. 43. & 20. 46. 3 John. 9.

7 Nokubingelelwa ezindaweni zokubutana, nokubizwa abantu ngokuti, Rabi, Rabi.

8 Kodwa ma ni nga bizwa ngokuti Rabi; ngokuba munye umfundisi wenu, uKristu; nina nonke ni ngabazalwane. Jak. 3. 1.

9 Ni nga bizi umuntu emhlabeni ngokuti, uyihlo; ngokuba munye uyihlo wenu, u sezulwini. Mal. 1. 6.

10 Ni nga bizwa ngokuti, abafundisi; ngokuba munye umfundisi wenu, uKristu.

11 Omkulu kini a ka be umkonzi wenu. isa. 20. 26, 27.

12 Lowo o zipakamisayo, u ya kutoyiswa; nozitobayo wo pakanyiswa.

Jobe 22. 29. Amazwi 15. 33. & 29. 23.

Luk. 14. 11. & 18. 14. Jak. 4. 6.

13 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba ni ba valela abantu umbuso wezulu, loku ni nga ngeni nina, nabangenayo a ni ba vumeli ba ngene.

Luk. 11. 52.

14 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba ni ya zi dhla izindhlu zabafelokazi, na ngokuzenzisa ni kuleka isikati eside, ngaloko ni ya kwamkeliswa ukulahlwa okukulu.

Mark 12. 40. Luk. 20. 47. 2 Tim. 3. 6.

Titusi 1. 11.

15 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba ni hamba ulwandle nomhlaba ukuba nenze e munye a hlangane nani, sa e kona, ni menza a be umntwana wegehena kabili ku nani.

16 Nako kinina, baholi aba izimpumpute! ni ti, o funga itempeli, a ku luto, kodwa o funga igolide letempeli, u necala. isa. 5. 33, 34. & 15. 14.

17 Ziula, zimpumpute! i kupi okukulu, igolide, netempeli, elenza igolide li be ngewele na? Eks. 30. 29.

18 Ni ti, o funga ilati, a ku luto kodwa o funga umnikelo o pezu kwalo, u necala.

19 Ziula, zimpumpute! i kupi okukulu, umnikelo, nelati elenza umnikelo u be ngewele na? Eks. 29. 37.

20 O funga ilati, u funga lona nako konke oku pezu kwalo.

21 O funga itempeli, u funga lona nohlala kulo. 1 Ama. 8. 13. 2 Kron. 6. 2.

Izihl. 26. 8. & 132. 14.

22 O funga izulu, u funga isihlalo sika Tixo nohlala kuso. Izihl. 11. 4.

isa. 5. 34. Imis. 7. 49.

23 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi! ni tela ngokweshumi iminte, neanize, nekumine, ni yekile okunzima komteto, ukuti, ukwahlula, nomusa, nenkolo; nga ni kwenzile loku, nga ni nga ku yekile na loko. Luk. 11. 42.

1 Sam. 15. 22. Hos. 6. 6. Mika 6. 8.

isa. 9. 13. & 12. 7.

24 Baholi aba izimpumpute! aba hluza insensane, be gwinya ikameli.

25 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba ni hlanza indebe nesitya ngapandhle, kodwa ngapakati zi gewele impango nokubensa. Mark 7. 4.

Luk. 11. 39.

26 mFarisi o impumpute, qala u hlanze indebe nesitya ngapakati, ukuba zi hlanzeke na ngapandhle.

27 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba ni fana namatuna acakiweyo, a bonakala e mable ngapandhle, kodwa ngapakati a gewele amatambo abafileyo, nensila yonke.

Luk. 11. 44. Imis. 23. 3.

28 Njalo nina ngapandhle ni bonakala kubantu ni lungile, kodwa ngapakati ni gewele ukuzenzisa nobubi.

29 Nako kinina, babali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba naka amatuna abaprofeti, ni vunulisa amatuna abalungileyo. Luk. 11. 47.

30 Ni ti, Uma sa be si kona emihleni ya wobaba, sa be si nge ze si hlanganye nabo igazi labaprofeti.

31 Njalo ni ziqiniselela ukuba ni ngabantwana bababulala abaprofeti.

Imis. 7. 51, 52. 1 Tes. 2. 15.

32 Gwalisani isilinganiso sa woyihlo.

Gen. 15. 16. 1 Tes. 2. 16.

33 Zinyoka, nzalo yezinhlanguanā? ni nga balekela kanjani ukulahlwa egehena na? isa. 3. 7. & 12. 34.

34 Ngaloko, bhokani, ngi tuma kini abaprofeti, nabahlakanipileyo, nababali; abanye kubo no ba bulala, ni ba betele, abanye ni ba tyaye ezindhlini zenu zokusonta, ni ba zingele imizi ngemizi,

isa. 21. 34, 35. Luk. 11. 49.

Imis. 5. 40. & 7. 58. 59. & 22. 19. # isa. 10. 17.

2 Kor. 11. 24, 25.

35 Ukuba ku fike pezu kwenu igazi lonke elilungileyo ela citwa emhlabeni, ku suka egazini lika Abela olungileyo, ku fike egazini lika Zakaria, indodana

ka Barakia, ena m bulala emkatini wemtempeli nelati. Isam. 18. 24. Gen. 4. 8.

1 John. 3. 12. 2 Kron. 24. 20, 21.

36 Ngi qinisile ngi ti kini, loku konke ku ya kufika pezu kwa lesisizukulwane.

37 Jerusalema, Jerusalema, wena o bulala abaprofeti, u kanda ngamatye abatunyelwe kuwe; nga ngi tanda kangapi ukubutela ndawonye abantwana bako, njengesikukukazi si butela amazinyane aso pansu kwamapiko aso; a ni vumanga! Luk. 13. 34. 2 Kron. 24. 21. Dut. 32. 11, 12. Izihl. 17. 8. & 91. 4.

38 Bhekani, se ni skiyelwe indhlu yenu i citeka.

39 Ngi ti kini, A ni sa yi ku ngi bona, ni ze ni ti u busisiwe ozayo ngegama le-Nkosi. Izihl. 118. 26. isa. 21. 9.

### ISAHLUKO 24.

**W**A puma uJesu wemuka etempelini, kwa fika abafundi bake ukumbonisa ukwaka kwemtempeli. Mark 13. 1-37. Luk. 21. 5-36.

2 uJesu wa ti kubo, Ni ya bona konke loku na? Ngi qinisile ngi ti kini, A ku yi ku shiywa lapa itye pezu kwetye eli nga yi kuwiswa pansu. 1 Ama. 9. 7. Jer. 26. 18. Mika 3. 12. Luk. 19. 44.

3 E sa hlezi entabeni yemihlwati, abafundi beza kuye be bodwa, ba ti, Si tyele; loku ko ba nini na? isiboniso sokuza kwako, nesokupela kwezwe so ba ini na? Mark 13. 3. 1 Tes. 5. 1.

4 uJesu wa pendula wa ti kubo, Bhekani, ni ngedukiswa umuntu. Ef. 5. 6. Kol. 2. 8, 18. 2 Tes. 2. 3. 1 John. 4. 1.

5 Ngokuba abaningi ba ya kuza ngegama lami, be ti, Ngi nguKristu; ba ya kwedukisa abaningi. Jer. 14. 14. & 23. 21, 25. John. 5. 43.

6 Ni ya kuzwa ukulwa, nodumo lokulwa; bhekani, ni ngetuki; ngokuba ku ya kwenzeka loku konke; kepa ukupela a ku ka biko.

7 Isizwe si ya kuvukela isizwe umbuso u ya kuvukela umbuso; ku ya kuba kona indhlala, nezifo, nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo. 2 Kron. 15. 6. Isai. 19. 2. Hag. 2. 22. Zek. 14. 13.

8 Lezizinto zonke zi ukuqala kokuhlupeka.

9 Kona ni ya kunikelwa ekuhlupakeni, ni bulawe; ni ya kuzondwa izizwe zonke ngegama lami. isa. 10. 17. Mark 13. 9. Luk. 21. 12. John. 15. 20. & 16. 2.

Imis. 4. 2, 3. & 7. 59. & 12. 1. 1 Pet. 4. 16. Isam. 2. 10, 13.

10 Abaningi ba ya kukubeka, ba nikelane, ba zondane. isa. 11. 6. & 13. 57.

2 Tim. 1. 15. & 4. 10, 16.

11 Ku za kuvela abaprofeti bamanga abaningi, bedukise abaningi. isa. 7. 15. Imis. 20. 29. 2 Pet. 2. 1. 1 Tim. 4. 1.

12 Ngokuvama kokona ku za kupola utando lwabaningi.

13 Kodwa omiyo ku ze ku be sekupeleni wo sindiswa. isa. 10. 22. Mark 13. 13. Heb. 3. 6, 14. Isam. 2. 10.

14 Lelivangeli lombuso li ya kushunyayelwa ezweni louke, li be ufakazi kuzo zonke izizwe; kwandu kufika ukupela. isa. 4. 23. & 9. 35. Rome 10. 18. Kol. 1. 6, 23.

15 Nxa ni bona isinengiso sencitakalo, esa shunyayelwa uDanyeli umprofeti, si mi endaweni engwele, (ofundayo a kezwisise). Mark 13. 14. Luk. 21. 20. Dan. 9. 23-27. & 12. 11.

16 Lapo aba seJudia ma ba balekele ezintabeni;

17 O pezu kwendhlu a ngehli ukutabata uto endhlini yake.

18 Na lowo o'sendhle a nga buyeli emva ukutabata izingubo zake.

19 Au kwabakulelweyo, nabancelisayo nga lezozinsuku. Luk. 23. 29.

20 Nxusani ukuba ukubaleka kwenu ku nga bi ebusika, na ngesabata:

21 Ngokuba ko ba kona ukhlupeka okukulu, oku ngezanga ku be kona kwa sekuqaleni kwezwe ku ze ku be manje, noku nga sa yi kubako. Dan. 9. 26. & 12. 1. Joeli 2. 2.

22 Uma lezozinsuku zi nga neityiswa, ku uge sindiswe umuntu; kepa ngabaketiweyo lezozinsuku zi ya kuncityiswa. Isai. 65. 8, 9. Zek. 14. 2, 3.

23 Uma umuntu e ti kini, Bhekani, nangu uKristu, nokuti nanguya, ni nga kolwa. Mark 13, 21. Luk. 17. 23. & 21. 8.

24 Ngokuba ku ya kuvela oKristu bamanga, nabaprofeti bamanga, ba veze izibonakaliso ezikulu, nemimangaliso yokwedukisa nabaketiweyo, uma ku ngenzeka. Dut. 13. 1. isa. 24. 5, 11.

2 Tes. 2. 9, 10, 11. Isam. 13. 13. John. 6. 37. & 10. 28, 29. Rome 8. 28, 29, 30. 2 Tim. 2. 19.

25 Bhekani, se ngi ni tyelile ngapambili.

26 Uma be tyo kini ukuti, Bhekani, u sehlane, ni nga pumi; noma be ti, u sezindhlini, ni nga kolwa.

27 Njengouyazi lu vela empumalanga, lu kanye lu ze lu fike na sentyonalanga,

ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. Luk. 17. 24.

28 Lapa ku kona isidumbu, ilapa amangq a za kubutana kona. Jobe 39. 30. Luk. 17. 37.

29 Ko ti masinyane emva kokuhlupeka kwa lezozinsuku, ilanga li fipale, nenyanga i nga kanyi, nezinkanyezi zi ya kuwa ezulwini, namandhla a sezulwini a ya kuzanyazanyiswa. Isai. 13. 10. Hez. 32. 7. Joeli 2. 10, 31, & 3. 15.

Amosi 5. 20. & 8. 9. Mark 13. 24. Luk. 21. 25. Imis. 2. 20. Isam. 6. 12.

30 Sandu kubonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu; zi kale izizwe zonke zomhlaba, zi bone iNdodana yomuntu i za ngamafu ezulu, i namandhla nobukosi obukulu. Dan. 7. 11-13. Zek. 12. 12. isa. 16. 27. Mark 13. 26. Isam. 1. 7.

31 I ya kutuma izingelosi zayo, zi netilongo elikalayo kakulu, zi bute abaketweyo bayo, be vela emimoyeni emini, ku suke emkaulweni omunye wezulu ku ze ku fike na komunye. isa. 13. 41. 1 Kor. 15. 52. 1 Tes. 4. 16.

32 A ke ni funde umfaekiso womkhwane; uma igatya li sa tabelle, e hluma amaqabunga, ni yazi li seduze ihlobo. Luk. 21. 29.

33 Njalo, nxa ni bona lezizinto zonke, nazi ku seduze, ku semnyango. Jak. 5. 9.

34 Ngi qinisile ngi ti kini, Lesisizukulwane a si yi kudhlula, ku nga kenzeki loku konke. isa. 16. 28. & 23. 36. Mark 13. 30-32. Luk. 21. 32, 33.

35 Ku ya kudhlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami a ka yi kudhlula. Izihl. 102. 26. Isai. 41. 6. Jer. 31. 35, 36. isa. 5. 18. Heb. 1. 11.

36 Kepa lolosuku na lesosikati a kwazi muntu, qa nezingelosi za sezulwini, uBaba kupela. Imis. 1. 7. 1 Tes. 5. 2. 2 Pet. 3. 10. Zek. 14. 7.

37 Njengezinsuku zikaNoa, ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

38 Ngokuba njenga sezinsukwini ku nga ka bi ko uzameolo, ba be dhla, be puza, be ganwa, bendiswa, kwa za kwa fika usuku, uNoa a ngena ngalo emkunjini, Gen. 6. 3-5. & 7. 5. Luk. 17. 26. 1 Pet. 3. 20.

39 Ba be ngazi kwa za kwa fika uzameolo, wa ba susa bonke; ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

40 Kona ababili bo ba endhle; omunye wo tatyatwa, omunye a shiywe. Luk. 17. 34-36.

41 Ko sila ababili etyeni; omunye wo tatyatwa, omunye a shiywe.

42 Lindani, ngokuba ni nga sazi isikati, iNkosi yenu e ya ku fika ngaso. isa. 25. 13. Mark 13. 33-37. Luk. 21. 36.

43 Kepa yazini loku ukuti, uma unninindhlu, e be sazi isikati sokufika kwesela, nga be e. lindile, e nga vumanga indhlu yake i fohlwe. Luk. 12. 39. 1 Tes. 5. 2. 2 Pet. 3. 10. Isam. 3. 3. & 16. 15.

44 Ngaloku hlalani ni lungile, ngokuba iNdodana yomuntu i ya kufika ngesikati eni nga si cabangyo. isa. 25. 13. 1 Tes. 5. 6.

45 I ipi ineeku etembekayo neqondayo, inkosi yayo e i misile pezu kwabandhlu yayo, ukuba i ba pe ukudhla ngesikati esifaneleyo? Luk. 12. 42. Imis. 20. 28. 1 Kor. 4. 2. Heb. 3. 5.

46 I busisiwe leyonceku, inkosi yayo i si fikile, e i fumana yenza njalo. Isam. 10. 15.

47 Ngi qinisile ngi ti kini, Yo i misa pezu konke kwake enako. isa. 25. 21, 23. Luk. 22. 29.

48 Kodwa uma leyonceku embi i tyo ngenhliziyo yayo ukuti Inkosi yami i ya libala ukufika;

49 I qale ukutyaya izineeku za kubo, i dhle, i puze kanye nezidakwa;

50 Inkosi ya leyonceku yo fika ngosuku e nga i bhikile ngalo, na ngesikati e nga saziyo.

51 Yo i nqamula kabili, i i nike isabelo ndawonye nabazenzisi, lapo ko ba kona ukukala nokugedhla amazinyo: isa. 8. 12. & 25. 30.

## ISIAHLUKO 25.

**K**ONA umbuso wexulu wo fana nezintombi ezi ishumi, eza tabata izibani zazo, za puma ukuya kuhlangubeza umyeni. Ef. 5. 29, 30. Isam. 19. 7. & 21. 2, 9. 2 Kepa ezi isihlanu kuzo za zi hlakanipile, nezi isihlanu za zi iziulu. isa. 13. 47. & 22. 10.

3 Ezi iziulu za tabata izibani zazo, a zi tabatanga amafuta kanye nazo.

4 Kodwa ezihlakanipileyo za tabata amafuta ezityeni zazo kanye nezibani zazo.

5 Umyeni e sa libele, zozela zonke, za lala. 1 Tes. 5. 6

6 Kwa menyezwa pakati kobusuku ukuti, Nangu umyeni e za; pumani, ni ye kumhlangabeza. isa. 24. 31. 1 Tes. 4. 16.

7 Kona za vuka lezozintombi zonke, za lungisa izibani zazo. Luk. 12. 35.

8 Ezi iziula za ti kwezihlakanipileyo, Si peni amafuta kwawenu, zi cimile izibani zetu.

9 Ezihlakanipileyo za pendula za ti, Qa, funa a nganeli tina nani; hambani ni ye kwabatengisayo, ni zitengele.

10 Se zi ye kutenga, kwa fika umyeni, e se zi lungile za ngena-naye emtimbeni, umnyango wa valwa. Luk. 13. 25.

11 Kwa fika ezinye izintombi ngasemva, za ti, Nkosi, Nkosi, si vulele. isa. 7. 21-23.

12 Wa pendula wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, a ngi nazi. Izihl. 5. 5. Hab. 1. 13. John. 9. 31.

13 Lindani, ngokuba ni nga lwazi usu-ku nesikati, iNdodana yomuntu e ya kufika ngaso. isa. 24. 42, 44.

Mark 13. 33, 35. Luk. 21. 36. 1 Kor. 16. 13. 1 Tes. 5. 6. 1 Pet. 5. 8. Isam. 16. 15.

14 Ku fana nomuntu o hambela kwelinye izwe, wa biza izineeku zake, wa zi nika imfuyo yake. isa. 21. 33. Luk. 19. 12.

15 Wa nika enye amatalanta a isihlanu, enye a ba mabili, enye la ba linye, ileyo njengamandhla ayo; wesuka masinyane wa ya kwelinye izwe.

Rom. 12. 6. 1 Kor. 12. 7. Ef. 4. 11.

16 Kwa ti owamkela amatalenta a isihlanu, wa ya, wa sebenza ngawo, wa zuzama amanye amatalenta a isihlanu.

17 Wenza njalo nowamkela amabili, wa zuzama amanye amabili.

18 Kodwa owamkela la ba linye, wa ya, wemba emhlabatini, wa i fibla imali yenkosi yake.

19 Emva kwesikati eside inkosi ya lezozineeku ya fika, ya landisana nazo.

20 Kweza owamkela amatalenta a isihlanu, wa leta amanye amatalenta a isihlanu, wa ti, Nkosi, wa ngi nika amatalanta a isihlanu, bheka, ngi zuzile amanye amatalenta a isihlanu ngapandhle kwawo.

21 Inkosi yake ya ti kuye, Kuhle, neeku elungileyo netembekile, wetembekile pezu kwezinto ezi incozana, ngi ya kukumisa pezu kwezinto eziningi; ngena ekujabuleni kwenkosi yako. isa. 24. 47. Luk. 12. 44. & 22. 29. Heb. 12. 2.

22 Kweza nowamkela amatalenta amabili, wa ti, Nkosi, wa ngi nika amatalenta amabili, bheka, ngi zuzile amanye amatalenta amabili ngapandhle kwawo.

23 Inkosi yake ya ti kuye, Kuhle, neeku elungileyo netembekayo, wetembekile pezu kwezinto, ezi incozana,

ngi ya kukumisa pezu kwezinto eziningi; ngena ekujabuleni kwenkosi yako.

24 Kweza nowamkela italenta la ba linye, wa ti, Nkosi, be ngi kwazi wena ukuba u umuntu o nolaka, u vuna lapa u nga hlwanyelanga kona, u buta lapa u nga hlakazanga kona.

25 Ngesaba, nga ya nga fibla italenta lako emhlabatini; nanti, li se elako.

26 Inkosi yake ya pendula ya ti kuye, Neeku embi nevilapayo, wazi ukuba ngi vuna lapa ngi nga hlwanyelanga kona, ngi buta lapa ngi nga hlakazanga kona.

27 Nga wa beka imali yami kwabebanke, kwa ti, ekufikeni kwami nga be ngi kwamkele okwami kanye nenzuzo.

28 M amukeni italenta lake, ni li nike o namatalenta a ishumu.

29 O nako u ya kupiwa, a vame; kodwa o nge nako, wo kwamukwa na loku a nako. isa. 13. 12. Mark 4. 25.

30 Leneeku engasiziyo, i penseni ebumnyameni obu ngapandhle; ko ba kona ukukala nokugedhla amazinyo. isa. 8. 12.

31 Nxa i si fikile iNdodana yomuntu i nobukosi bayo, nezingelosi ezingewele zonke zi za nayo, kona yo hlala esihlalanweni sobukosi bayo. Zek. 14. 5.

isa. 16. 27. Mark 8. 38. Imis. 1. 11.

2 Tes. 1. 7. Jude 14.

32 Ko butelwa pambi kwayo izizwe zonke; yo bahlukanisa abanye nabanye, njengomalusi o zahlukanisa izimvu nezimbuzi: Rom. 14. 10. 2 Kor. 5. 10.

Isam. 20. 12.

33 Yo beka izimvu ngakwesokunene sayo, izimbuzi ngakwesokohlho.

34 Kona iNkosi i ya kuti kwaba ngakwesokunene, Zanini nina eni busisiwe uBaba, ni dhle ifa lombuso eni u lungiselweyo, iloku kwa dabuka umhlaba.

1 Pet. 1. 3, 9. Isam. 21. 7. || isa. 20. 23.

Mark 10. 40. Heb. 11. 16.

35 Ngokuba nga ngi lambile, na ngi pa ukudhla; nga ngomile, na ngi puzisa; nga ngi umfokazi, na ngi ngenisa; Isai. 58. 7. Hez. 18. 7. Jak. 1. 27.

36 Nga ngi hambaze, na ngambatisa; nga ngi gula, na ngi hamba; nga ngi setilongweni, neza kimi. Jak. 2. 15, 16.

2 Tim. 1. 16.

37 Kona abalungileyo ba ya kuipendula ngokuti, Nkosi, sa ku bona nini u lambile, sa ku pa ukudhla? noma wumile, sa ku puzisa na?

38 Sa ku bona nini u umfokazi, sa ku

ngenisa; noma u hambaze, sa kwambatisa na?

39 Sa ku bona nini u gula, noma u setilongweni seza kuwe na?

40 iNkosi yo pendula i ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Loku nenza komunye wa laba abancinyane abazalwane bami, nenza kimina. Amazwi 14. 31. & 19. 17. isa. 10. 42. Mark 9. 41. Heb. 6. 10.

41 Kona i ya kuti kwaba ngakwesokhlo, Dedani kimi nina enitukiweyo, ni ye emlilweni o pakade, o lungiselwe uSatani nezingelosi zake. Izihl. 6. 8. isa. 7. 23. || 2 Pet. 2. 4. Jude 6.

42 Ngokuba nga ngi lambile, a ni ngi panga ukudhla; nga ngomile, a ni ngi puzisanga;

43 Nga ngi umfokazi, a ni ngi ngenisanga; nga ngi hambaze, a ni ngambatisanga; nga ngi gula, ngi setilongweni, a ni ngi hanibanga.

44 Kona ba ya kupendula ba ti, Nkosi, sa ku bona nini u lambile noma womile, noma u umfokazi, noma u hambaze, noma u gula, noma u setilongweni, si nga ku konzanga na?

45 Kona yo ba pendula i ti, Ngi qinisile ngi ti kini, Loku ni ngenzanga komunye wa laba abancinyane, a nenzanga kimina. Amazwi 14. 31. & 17. 5.

46 Laba ba ya kungena ekuhlutyweni okupakade, kodwa abalungileyo ba ya kungena ekupileni okupakade.

Dan. 12. 2. John. 5. 29. Rome 2. 7.

### ISIAHLUKO 26.

**K**WA ti, uJesu se e qedile onke lamazwi, wa ti kubafundi bake,

2 Ni yazi ukuba emva kwezinsuku ezimbili ko ba kona ipasika, iNdodana yomuntu i ya kunkelwa, ukuze i betelwe. Mark 14. 1. Luk. 22. 1. John. 13. 1.

3 Kona abapristi abakulu, nababali, namalunga abantu, ba butana esigodhlweni sompristi omkulu, o tiwa uKaiafa.

Izihl. 2. 2. John. 11. 47.

4 Ba ceba icebo lokuba ba m bambe uJesu ngobuqili, ba m bulale.

5 Kepa ba ti, Ku nga bi emhlanganweni, funa ku be kona ukuxokozela ebantwini.

6 uJesu e seBetani, endhlini ka Simone ilepero, isa. 21. 17. Mark 14. 3. John. 11. 1. & 12. 1.

7 Kweza kuye umfazi e nomfuma wamafuta a nenani elikulu, wa tela ekan lake e se hlezi ekudhlени.

8 Abafundi bake be bona loku, ba cu-

nuka, ba ti, Ukucita loku ku ngani na?

John. 12. 4.

9 Nga ku tengwa okuningi nga lawa amafuta, kwa piwa abampofu.

10 Kepa uJesu wazi wa ti kubo, Ni m katazelani umfazi na? loku u sebenzile umsebenzi omuhle kimina.

11 Ni nabampofu ngesikati sonke; kodwa a ni nami ngesikati sonke.

Dut. 15. 11. John. 12. 8. || John. 13. 33.

& 16. 5, & 17. 11.

12 Loku u telile lawa amafuta emzimbeni wami, u kwenzele ukumbelwa kwami.

13 Ngi qinisile ngi ti kini, Ezweni lonke lapo lelivangeli li za kushunyayelwa kona ku za kushunyayelwa na loku a kwenzileyo lomfazi, ku be isikumbuzo ngaye.

14 Kona wesuka omunye kwaba ishumi nambili, uJuda uIskariote, wa ya kubapristi abakulu. isa. 10. 4. Mark 14. 10.

Luk. 22. 3.

15 Wa ti, Ni ya kungipani, ngi m nikele kini na? Ba m misela izinhlamvu zemali ezimashumi amafuta. Zek. 11. 12.

16 Kona wesuka wa funa ituba lokuba a m nikele.

17 Ngosuku lokuqala lwesinkwa esi nge namvubelo, abafundi beza kuJesu, ba ti kuye, U tanda ukuba si ku lungiselepi ku dhliwe ipasika na?

Eks. 12. 6, 18. Luk. 22. 5.

18 Wa ti, Hambani ni ye emzini, kumuntu otilе, ni ti kuye, Umfundisi u ti, Isikati sami si seduze, ngi ya kwenza ipasika kuwe, mina nabafundi bami.

19 Abafundi benza njengokubayala kukaJesu, ba lungisa ipasika.

20 Se ku hlwile wa cambalala naba ishumi nambili.

Mark 14. 17-21. Luk. 22. 14.

21 Be sa dhla, wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, Omunye kini u ya kunginikela.

22 Ba dabuka kakulu, ba qala, ku be ilowo ukuti kuye, Imina, Nkosi, na?

23 Wa pendula wa ti, O faka isandhla esityeni kanye nami, uyena o ya kunginikela.

Izihl. 41. 9. Luk. 22. 21. John. 13. 18.

24 Nembala, iNdodana yomuntu i ya njengokulotyweyo ngayo, kodwa nako ku lomuntu, iNdodana yomuntu e nikelwa uye! nga ku kuhle ku lomuntu, uma e nga zalwanga. Mark 9. 12. Luk. 24. 25, 26, 46. Imis. 17. 2, 3. & 26. 22, 23.

1 Kor. 15. 3. || John. 17. 12.

25 Wa pendula uJuda, owa m nikelayo, wa ti, Imina, Rabi na? Wa ti kuye, U tyilo wena.

26 Be sa dhla, uJesu wa tabata isinkwa, wa bongwa; wa si hlepula wa nika abafundi bake, wa ti, Tabatani ni dhle, loku ku ngumzimba wami. Mark 14. 22-26. Luk. 22. 18, 19. 1 Kor. 11. 23-25. 1 Kor. 10. 16.

27 Wa tabata nesitya; wa bongwa, wa ba nika, wa ti, Puzani nonke kuso.

28 Loku ku igazi lami lesivumelwano esitya, elipalazelwa abaningi, ku be ukutetelela izono. Eks. 24. 8. Jer. 31. 31. isa. 20. 28.

29 Ngi ti kini, A ngi sa ya yi kupuza isitelo sevini ku ze ku fika lalosuku, engi za kupuza ngalo nani, si sitya embusweni ka Baba.

30 Se be vumile igama, ba puma ba ya entabeni yemihlwati.

31 Kona uJesu wa ti kubo, Nina nonke ni ya kucunuka ngami nga lobubusuku; loku ku lotyiwe ukuti, Ngi ya kutyaya umalusi, izimvu zomhlambi zi ya kuhlakazeka. Mark 14. 27-30. isa. 11. 6. Zek. 13. 7.

32 Kepa ngasema kokuvuka kwami, ngi ya kuhamba ngapambili kwenu ngi ya eGalile. isa. 23. 7, 10, 16. Mark 16. 7.

33 uPetro wa pendula wa ti kuye, Nokuba bonke be cunuka ngawe, a ngi yi kucunuka mina na pakade.

34 uJesu wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, Nga lobubusuku, li nga ka kali iqude, wo ngi pika katatu. Luk. 22. 34. John. 13. 38.

35 uPetro wa ti kuye, Nokuba ngi fa nawe, a ngi yi kukupika. Ba tjo njalo abafundi bonke.

36 Kona uJesu wa fika nabo endaweni e tiwa iGetsemane, wa ti kubafundi bake, Hlalani lapa, ngi ze ngi ye ukuleka lapaya. Mark 14. 32-35. Luk. 22. 39. John. 18. 1.

37 Wa tabata uPetro namadodana amabili ka Zebedi, wa qala ukudabuka nokuba nomunyu. isa. 4. 21.

38 Kona wa ti kubo, Umpefumlo wami u dabukile kakulu ku ze ku be sekufeni; hlalani lapa, ni linde nami. John. 12. 27.

39 Wa qubeka incozana, wa wa ngobuso bake, wa kuleka, wa ti, Baba, uma ku ngenzeka, a ku dhlule kimi lesisitya; kepa ku nga bi ngokutanda kwami, ku be ngokwako. Mark 14. 36-38. Luk. 22. 40-46. Heb. 5. 7. John. 12. 27.

isa. 20. 22. John. 5. 30. & 6. 38. Fil. 2. 8.

40 Weza kubafundi, wa ba fumana be lele; wa ti kuPetro, Ini? ni nge linde nami ihora li be linye na?

41 Lindani, ni kukele, ukuba ni nga ngeni ekulingweni; umoya u ya vuma, kodwa inyama i butakataka. Mark 13. 33. Ef. 6. 18.

42 Wa buya wemuka ngokwesibili, wa kuleka, wa ti, Baba, uma ku nge dhlule kimi lesisitya, ngi nga si puzi, a kwenziwe intando yako.

43 Weza wa ba fumana be lele futi, ngokuba amehlo abo a enzima.

44 Wa ba shiya, wemuka futi, wa kuleka ngokwesitatu, e tyo wona lawomazwi.

45 Kona weza kubafundi bake, wa ti kubo, Ni sa lele, ni pumula na? Bhekani, isikati si sondele, iNdodana yomuntu i nikelwe ezandhleni zezoni.

46 Sukani, si hambe; nangu o ngi nikelayo e sondele.

47 E sa shumayela, kwa fika uJuda, omunye kwaba ishum'i nambili, nabantu abaningi, be pete izinkemba, nezinduku, be vela kubapristi abakulu, namalunga abantu. Mark 14. 43-50. Luk. 22. 47-53. John. 18. 3-11. Imis. 1. 16.

48 Omnikelayo wa e ba nike isiboniso, sokuti, Lowo engi ya kumanga, uyena; ni m bambe.

49 Wa fika masinyane kuJesu, wa ti, E, Rabi, wa manga.

50 uJesu wa ti kuye, Sihlobo, u zeleni na? Kona beza ba beka izandhla pezu kuka Jesu, ba m bamba. Izihl. 41. 9.

51 Kwa ti omunye kwaba be noJesu, welula isandhla, wa kipa inkemba, wa galela inceku yompristi omkulu, wa nquma indhlebe yayo. John. 18. 10.

52 Kona uJesu wa ti kuye, Buyisela inkemba endaweni yayo; bonke aba pata inkemba, ba ya kubulawa ngenkemba. Gen. 9. 6. Isam. 13. 10.

53 U ti, ngi nge cele manje kuBaba, a ngi nike izingelosi ezi dhlula ngobuningi amabandhla a ishum'i nambili na?

2 Ama. 6. 17. Dan. 7. 10.

54 Po ku nga gewaliseka kanjani inewadi yokuti, nga kwenziwa loku na? Isai. 53. 7-10. Luk. 24. 25, 44, 46.

55 Nga lesosikati uJesu wa ti kubantu, Ni pume nezinkemba nezinduku ukungibamba, ngokungati ngi umpangi. Imihla ngemihla be ngi hlezi nani, ngi fundisa etempelini, a ni ngi bambanga.

56 Kepa loko konke kwenziwa, ukuba ku gewaliseke imibalo yabaprofeti.



Kona abafundi bonke ba m shiya, ba baleka. Isililo 4. 20. John. 18. 15.

57 Ba m bamba uJesu, ba m yisa ku-Kaifa umpristi omkulu, lapo a va ku butene ababali namalunga. Mark 14. 53-65.

Luk. 22. 54. John. 18. 12, 13, 24.

58 uPetro wa m landela e kude, wa za wa fika esigodhlweni sompristi omkulu, wa ngena pakati, wa hlala nezinceku ukubona, ukuba ko petwa ngani.

59 Abapristi abakulu, namalunga, nompakati wonke ba funa ubufakazi bamanga, ngoJesu, ukuba ba m bulale.

60 Kepa a ba bu fumananga. Nokuba kwa fika ofakazi bamanga abaningi, a ba fumananga luto. Ngasemva kwa fika ofakazi bamanga ababili; Dat. 19. 15. Izihl. 27. 12. & 35. 11. Mark 14. 55. Imis. 6. 13.

61 Ba ti, Lo wa ti, Ngi nga cita itempeli lika Tixo, ngi buye ngi lake ngezinsuku ezintatu. isa. 27. 40. John. 2. 19.

62 Wesuka umpristi omkulu wa ti kuye, A upenduli luto na? laba ba qinisani ngawe na? Mark 14. 60.

63 Kodwa uJesu wa tula. Umpristi omkulu wa pendula wa ti kuye, Ngi ku fungisa uTixo o kona, ukuba u si tyele, uma u nguKristu, iNdodana ka Tixo.

Isai. 53. 7. isa. 27. 12, 14. Levi 5. 1.

1 Sam. 14. 24, 26.

64 uJesu wa ti kuye, U tyilo wena. Kepa ngi ti kini, Se ni ya kubona iNdodana yomuntu i hlezi ngakwesokunene samandhla, i za ngamafu ezulu.

Dan. 7. 13. isa. 16. 27. & 25. 31. Luk. 21. 27. Rome 14. 10. 1 Tes. 4. 16. Isam. 1. 7.

Izihl. 110. 1. Imis. 7. 55.

65 Kona umpristi omkulu wa hxebula izingubo zake wa ti, U tukile; si sa funelani abanye ofakazi na? bhekani, se ni zwile ukutuka kwake.

66 Ni tini na? Ba pendula ba ti, U fanele ukufa. Levi 24. 16. John. 19. 7.

67 Kona ba m fela amate ebusweni, ba m wahlela; abanye ba m mukula,

Isai. 50. 6. isa. 27. 30. Luk. 22. 63, 64.

John. 19. 3.

68 Ba ti, Si tyele, Kristu, ubani o ku tyayileyo? Mark 14. 65, 66.

69 uPetro wa hlala ngapandhle esigodhlweni; kweza kuye intombazana, ya ti, Nawe u bu noJesu wa seGalile.

Luk. 22. 55-62. John. 18. 16, 17, 25.

70 Wa pika pambi kwabo bonke, wa ti, A ngi kwazi o ku tyoyo.

71 Se e pumele esangweni, enye into-mbazana ya m bona ya ti kwaba kona, Lo wa e noJesu wa se Nazareta.

72 Wa pika futi, wa funga wa ti, A ngi m azi lomuntu.

73 Ngasemva kwesikatyana beza abemiyo kona, ba ti kuPetro, Nembala u ngowa kubo; ukukuluma kwako ku ya ku bonakalisa. Luk. 22. 59.

74 Kona wa qala ukutuka nokufunga, wa ti, A ngi m azi lomuntu. Iqude la kala masinyane. Mark 14. 71.

75 uPetro wa kumbula izwi lika Jesu, a be li tyilo kuye lokuti, Li nga ka kali iqude, wo ngi pika katatu. Wa pumela ngapandhle, wa kala nokukala.

isa. 26. 34. Mark 14. 30. Luk. 22. 61, 62.

John. 13. 38.

### ISAHLUKO 27.

**K**USASA abapristi abakulu bonke, namalunga abantu benza icebo ngoJesu, lokuba ba m bulale. Mark 15. 1.

Luk. 22. 66. & 23. 1. John. 18. 28.

2 Se be m bopile, be muka naye ba m nikela kuPontio Pilatu umbusi.

isa. 20. 19. Imis. 3. 13.

3 Kona uJuda owa m nikela, e bona ukuba u lahliwe, wa penduka, wa buyisela leyomali emashumi amatatu kuba-pristi abakulu namalunga, isa. 26. 14, 15.

4 Wa ti, ngonile, ngi nikele igazi eli nge nacala. Ba ti, Ku ini loku kitina na? zibonele wena.

5 Wa lahla pansi imali etempelini, wemuka, wa ya wa zipanyeka.

2 Sam. 17. 23. Imis. 1. 18.

6 Abapristi abakulu ba tabata imali, ba ti, A ku fanele ukuibeka emnikelweni, loku i intengo yegazi.

7 Benza icebo, ba tenga ngalo izwe lombumbi, li be indawo yokumbela abezizwe.

8 Ngaloko lelozwe li sa tiwa, Izwe legazi, na namhla. Imis. 1. 19.

9 Kona kwa gewaliseka okwa shunya-yelwa uJeremia umprofeti ukuti, Ba tabata imali emashumi amatatu, intengo yotengiweyo, aba tenga ngaye abantwana baka Israeli; Zek. 11. 12, 13.

10 Ba tenga ngayo izwe lombumbi, njengokungiyala kwenkosi.

11 uJesu wema pambi kombusi; umbusi wa m buza, wa ti, U inkosi yabaJuda na? uJesu wa ti kuye, U tyo wena. Mark 15. 2. Luk. 23. 3. John. 18. 33, 37.

1 Tim. 6. 13.

12 E sa qanjelwa abapristi abakulu namalunga, ka pendulanga luto.

isa. 26. 65. John. 19. 9-10.

13 Kona uPilatu wa ti kuye, A u zwa

ini loku okungaka aba ku qinisela ngawina? isa. 26. 62.

14 Kodwa ka m pendulanga ngazwi; kwa ti umbusi wa mangala kakulu.

15 Kwa ku ti emhlanganweni, umbusi a zinge e ba kululela abantu isibotywa, aba tauda ukuba si kululwe.

Mark 15. 6-25. Luk. 23. 17-25. John. 18. 39, 40.

16 Ba be nesibotywa esidumileyo, esi tiwa uBaraba.

17 Se be butene, uPilatu wa ti kubo, Ni tanda ukuba ngi ni kululele ubani na? uBaraba, nokuba uJesu, o tiwa uKristu na?

18 Wa e sazi ukuba ba be m nikele ngomona.

19 E se hlezi esihlalweni sokwahlula, umkake wa tuma kuye, wa ti, U nga bi nandaba ku lomuntu olungileyo, ngokuba ngi hlupeke kakulu ngaye namhla ngepupo.

20 Kodwa abapristi abakulu namalunga ba ncenga abantu ukuba ba cele uBaraba, ba m bulale uJesu.

21 Umbusi wa pendula wa ti kubo, Ni tanda ukuba ngi ni kululele u mupi ku labababili na? Ba ti, uBaraba.

22 uPilatu wa ti kubo, Kepa ngi za kwenzani ngoJesu, o tiwa uKristu na? Ba ti bonke kuye, Ma ka betelwe.

23 Umbusi wa ti, Wenzile okubi kuni na? Ba memeza kakulu, be ti, Ma ka betelwe.

24 uPilatu e bona ukuba e nga sizi luto, kodwa be xokozela kakulu, wa tabata amauzi, wa geza izandhla pambi kwabantu, e ti, A ngi nacala legazi la lomuntu olungileyo; ziboneleni nina.

Dut. 21. 6.

25 Abantu bonke ba pendula ba ti, Igazi lake a li be pezu kwetu, na pezu kwabantwana betu.

Dut. 19. 10.

Josh. 2. 19. 2 Sam. 1. 16. 1 Ama. 2. 32.

Inis. 5. 28.

26 Kona wa ba kululela uBaraba; kodwa e m tyayile uJesu, wa m nikela ukuba a betelwe.

Isai. 53. 5.

Luk. 23. 16, 24, 25.

27 Kona amabuto ombusi a m yisa uJesu endhlini yombusi a butela kuye ibuto lonke.

Mark 15. 16-21.

28 A m kumula izingubo zake, a m ambatisa ingubo ebomvu.

Luk. 23. 11.

29 Aluka umqele wameva, a u beka ekanda lake, nohlanga esandhlени sake sokunene, a guqa pambi kwake, a m binqa, a ti, Bayete, Nkosi yabaJuda!

Izihl. 69. 19. Isai. 53. 3.

30 A m fela ngamate, a tabata uhlanga; a m tyaya ekanda.

Isai. 50. 6.

isa. 26. 67.

31 Se e m binqile, a m kumula ingubo, a m amabatisa izingubo zake, a muka naye ukuba a m betele.

Isai. 53. 7.

32 E sa puma a fumana umuntu wa seKurene, uSimone igama lake, a m cindezela ukuba a twale isipambano sake.

Mark 15. 21. Luk. 23. 26. Heb. 13. 12.

33 Se e fikile endaweni e tiwa iGolgota, ukuti, indawo yenhloko,

Mark 15. 22.

Luk. 23. 33. John. 19. 17.

34 Ba m nika iwaini elimunyu li xubaniswe nemure, ukuba, a li puze, kepa e li zwile, ka vuma ukulipuza.

Izihl. 69. 21. isa. 27. 48.

35 Se be m betele, bahlulelana izingubo zake, benzelana inkato; ukuba ku gcwaliseke okwa shunyayelwa umprofeti ukuti bahlulelana izingubo zami, benzelana inkato ngesivato sami.

Mark 15. 34. Luk. 23. 34. John. 19. 24.

Izihl. 22. 18.

36 Ba hlala, ba m linda kona.

37 Ba beka pezu kwekanda lake incwadi yecala lake yokuti, LO U UJESU INKOSI YABAJUDA.

Mark 15. 26.

Luk. 23. 38. John. 19. 19.

38 Kwa betelwa kanye naye abapangi ababili, omunye ngakwesokunene, nomunye ngakwesokholo.

Isai. 53. 12.

Mark 15. 27. Luk. 23. 32, 33. John. 19. 18.

39 Abadhulayo ba m tuka, ba nqakuza amakanda,

Izihl. 22. 7. & 109. 25.

Mark 15. 29. Luk. 23. 35.

40 Be ti, Wena o cita itempeli, u buye u lake ngezinsuku ezintatu, zisindise wena, Uma u iNdodana ka Tixo, yehla esipambanweni.

isa. 26. 61-63. John. 2. 19.

41 Nanjalo abapristi abakulu ba m hleka kanye nababali, namalunga, ba ti,

42 Wa sindisa abanye, a nge zisindise yena. Uma u inkosi yabaIsraeli, a kehle manje esipambanweni, so kolwa kuye.

43 Wetemba uTixo, a ka m kulule manje, uma e m tanda; ngokuba wa ti, Ngi iNdodana ka Tixo.

Izihl. 22. 8.

44 Nabapangi aba betelwa naye, ba m tuka.

Mark 15. 32. Luk. 23. 39.

45 Kwa ba mnyama ezweni lonke, kwa qala ngehora lesitupa kwa za kwa ba lesishiyagalunye.

Amosi 8. 9.

Mark 15. 33. Luk. 23. 44.

46 Ngehora lesishiyagalolunye uJesu wa memeza ngezwi elikulu, e ti, Eloi,

Eloi, lama sabaktani? oku ukuti, Tixo wami, Tixo wami, u ngi shiyeleni na?

Heb. 5. 7. Izihl. 22. 1.

47 Abanye kwabemiyo kona, se be zwile, ba ti, U biza uElija.

48 Kwesuka omunye kubo wa gijima, wa tabata ilula, wa li ewilisa ewainini elimunyu, wa li faka ohlaugeni, wa m puzisa.

Izihl. 69. 21. Mark 15. 36.

Luk. 23. 36. John. 19. 29.

49 Keba abanye ba ti, Yeka, a ke si bone, uma uElija u ya kuza kumsindisa.

50 uJesus wa buya wa memeza ngezwi elokulu, wa fa.

Mark 15. 37. Luk. 23. 46.

51 Bheka, iveli letempeli la dabuka kabili, la qala pezulu la za la fika pausi; umhlaba wa zamazama, amatye a dabuka; Eks. 26. 31. 2 Kron. 3. 14. Mark 15. 38.

Luk. 23. 45.

52 Amatuna a yuleka, kwa ti abangewele abaningi aba be lele, ba vuka nezidumbu zabo.

53 Ba puma ematuneni emva kokuvuka kwake, ba ngena emzini ongewele, ba bonakala kwabaningi.

54 Kwa ti, induna yekulu, naba be nayo be linda uJesus, se be bone ukuzamazama komhlaba, nokwenzekile, besaba kakulu, ba ti, Nembala, lo u be iNdodana ka Tixo.

Mark 15. 39. Luk. 23. 47.

55 Kwa ku kona abesifazana abaningi be mi kude, be buka, aba be m landele uJesus be vela eGalile, be m konza.

Luk. 8. 2, 3.

56 Wa e kona nabo uMaria Magdalene, noMaria unina ka Jakobe noJose, nonina wamadodana ka Zebedi.

Mark 15. 40.

57 Se ku hlwile, kwa fika umuntu o isicebi wa seArimatia, igama lake uJosefa, wa e umfundi ka Jesu.

Mark 15. 42. Luk. 23. 50. John. 19. 38.

58 Lo wa ya kuPilatu, wa cela isidumbu sika Jesu. Kona uPilatu wa ti a nikwe isidumbu.

59 uJosefa wa si tabata isidumbu, wa si songa ngendwangu emhlope.

60 Wa si beka etuneni lake elitya, eli qotywe etyeni; wa gingqela itye elikulu emnyango wetuna, wemuka.

Isai. 53. 9.

61 Kwa ku kona uMaria Magdalene, nomunye uMaria, be hlezi pambi kwetuna.

62 Ngangomso; oku ngasemva kokulungisela, abapristi abakulu nabaFarisi ba butana kuPilatu,

63 Ba ti, Nkosi, si ya kumbula ukuba lomkohlisi wa ti, e se kona, Emva kwenzinsuku ezintatu ngi ya kuvuka.

isa. 16. 21. & 17. 23. & 20. 19. & 26. 61.

Mark 8. 31. & 10. 34.

Luk. 9. 22. & 18. 33. & 24. 6, 7. John. 2. 19.

64 A ku yale ukuba ituna li qiniswe ku ze ku be usuku lwesitatu, funa ku fike abafundi bake, ba m ebe ebusuku, ba ye ba ti kubantu, U vukile kwabafileyo; ku ti inkohliso yokupela i be imbi ku neyokuqala.

65 uPilatu wa ti kubo, Se ni nabalindi; hambani, ni li qinise njengokubona kwenu.

66 Bemuka, ba li qinisa ituna, be beka upau etyeni, be misa abalindi. Dan. 6. 17.

### ISAHLUKO 28.

**E**KUPELENI kwesabata, kwa se ku za kusa, ngosuku lokuqala lwesonto, kwa fika uMaria Magdalene nomunye uMaria ukubona ituna.

Mark 16. 1.

Luk. 24. 1. John. 20. 1.

2 Kwa ku kona ukuzamazama komhlaba okukulu; ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yeza ya gingqa itye, ya li susa emnyango, ya hlala pezu kwalo.

Mark 16. 5-8. Luk. 24. 1-10. John. 20. 12.

3 Ukubonakala kwayo kwa ku njengonyazi, nesambato sayo sa si mhlope njengongqogqwane.

Dan. 10. 6.

4 Abalindi ba tutumela ngokuyesaba, ba ba njengabafileyo.

5 Ingelosi ya pendula ya ti kwabesifazana, Ni ngesabi nina; ngi yazi ni funa uJesus, o be betelwe.

6 A mu ko lapa; u vukile njengokutyotyoty kwake. Zanini ni bone indawo lapa iNkosi i bi lele kona.

isa. 12. 40.

7 Tyetyani ni ye, ni tyele abafundi bake ukuti, u vukile kwabafileyo; bhekani, u ya hamba pambili kwenu ukuya eGalile; ni ya kumbona kona. Bhekani, ngi ni tyelile.

isa. 26. 32.

8 Ba tyetya ba puma etuneni, be nokwesaba nokutokoza okukulu; ba gjimela ukubika kubafundi bake.

9 Be sa ya kubika kubafundi bake, bheka, uJesus wa ba hlangabeza wa ti, Sa ni bona. Ba sondela ba bamba izinyawo zake, ba kuleka kuye.

Mark 16. 9. John. 20. 14, 17.

10 Kona uJesus wa ti kubo, A ni ngesabi; hambani ni ye ni bike kubazalwane bami, ba ye eGalile, ba ya kungibona kona.

11 Be sa ya, bheka, abanye abalindi

ba fika emzini, ba bika kubapristi abakulu konke okwenzekileyo.

12 Ba butana namalunga, benza icebo, ba nika amabuto imali iningi.

13 Ba ti, Yityoni ukuti, Kwa fika abafundi bake ebusuku, ba m eba, si lele.

14 Uma ku zwakala kumbusi, si ya kumvumisa yena, si ni vikele.

15 Njalo a tabata imali, enza njengokufundiswa kwabo; lelozwi li sa tyiwo kubaJuda na namhla.

16 Abafundi aba islumi nanye ba ya eGalile, ku leyontaba, uJesu a be ba tyele yona. isa. 26. 32.

17 Se be m bonile ba kuleka kuye; kepa abanye ba ngabaza.

18 uJesu wa sondela, wa shumayela kubo, wa ti, Ngi piwe amandhla onke a sezulwini na semhlabeni. Dan. 7. 13. 14. isa. 11. 27. & 16. 28. Luk. 1. 32. & 10. 22.

John. 3. 35. & 5. 22. & 13. 3. & 17. 2.

Imis. 2. 36. Rome 14. 9. 1 Kor. 15. 27. Ef. 1. 10, 21. Fil. 2. 9, 10. Heb. 1. 2. & 2. 8. 1 Pet. 3. 22.

19 Hambani ni fundise izizwe zonke, ni ba bapatize: egameni lika Yise, neleNdodana ne lika Moya o ifigwele;

Mark 16. 15. Isai. 52. 10. Luk. 24. 47.

Imis. 2. 39.

20 Ni ba fundise ukugeina konke engi ni yale ngako; bhekani, ngi nani izinsuku zonke ku ze ku be sekupeleni kwezwe. Ameni.

IVANGELI NGOKUBALA KUKA

MARKO.

ISAHLUKO 1.

UKUQALA kwevangeli lika Jesu Kristu, iNdodana ka Tixo. Mat. 14. 33.

2 Njengokulotyiwewo kubaprofeti ukuti, Bheka, ngi ya tuma isigijimi sami pambi kwako, esi ya kulungisa indhlela yako pambi kwako; Mal. 3. 1. Mat. 11. 10. Luk. 7. 27.

3 Izwi lomemezayo ehlane lokuti, lungisani indhlela yeNkosi, nenze imendo yayo i qonde. Isai. 40. 3. Mat. 3. 1-11. Luk. 3. 2-16. John. 1. 15, 23.

4 uJohane wa e bapatiza ehlane, wa shumayela ukubapatiza kokupenduka, ku telelwe izono. John. 3. 23.

5 Kwa pumela kuye izwe lonke la seJudia, naba seJerusalema, ba bapatizwa uye bonke eJordani, be vuma izono zabo.

6 uJohane wa embete ingubo yoboya bekameli, nebande lesikumba okalweni lwake; wa e dhla izinkumbi nezinyosi za sendhle; Levi 11. 22.

7 Wa shumayela wa ti, Emva kwami ku yeza omkulu ku nami, engi nga fanele ukuba ngi kotame, ngi tukulule imieilo yezieatulo zake. John. 1. 27. Imis. 13. 25.

8 Mina ngi ni bapatize ngamanzi: kepa lowo wo ni bapatiza ngoMoya o ifigwele. Imis. 1. 5. & 2. 4.

9 Kwa ti nga leyomihla, wa fika uJesu,

e vela e Nazareta la seGalile, wa bapatizwa uJohane eJordani. Mat. 3. 13-17. Luk. 3. 21.

10 Wa kupuka masinyane emanzini, wa bona izulu li vuleka, noMoya, ku nga ti ijuba, ehla e za pezu kwake. John. 1. 32.

11 Kwa fika izwi li vela ezulwini, la ti, Wena u iNdodana yami etandiweyo engi kolwa iyo. Izihl. 2. 7. isa. 9. 7.

12 Kwa ti masinyane uMoya wa m qubela ehlane. Mat. 4. 1-11. Luk. 4. 1-13.

13 Wa e kona ehlane izinsuku ezimashumi amane, e lingwa uSatani; wa e ndawonye nezilwane, wa kouzwa izingelosi.

14 Ngasemva kokunikelwa kuka Johane etilongweni, kwa fika uJesu eGalile, e shumayela ivangeli lombuso ka Tixo. Mat. 4. 12, 23.

15 Wa ti, Isikati si pelele, umbuso ka Tixo u sondele; pendukani, ni kolwe ivangeli. Dan. 9. 25. Gal. 4. 4. Ef. 1. 10. Mat. 3. 2. & 4. 17.

16 E sa hamba ngaselwandhle lwa-seGalile, wa bona uSimone noAndrea umfo wabo, be ponsa ineta elwandhle; be ngabalobi. Mat. 4. 18-22. Luk. 5. 4-11.

17 uJesu wa ti kubo, Ngi landeleni; ngi ya kunenza ni be abalobi babantu;

18 Be suka masinyane, ba shiya amaneta abo, ba m landela. Mat. 19. 27.

19 Se e qubeke incozana, wa bona uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo, be semkunjini, be lungisa amaneta abo.

20 Wa ba biza; ba shiya uyise uZebedi emkunjini kanye nezisebenzi, ba m landela.

21 Ba ya ba ngena e Kapernaume; ngesabata wa ngena endhlini yokusonta, wa fundisa. Mat. 4. 13. Luk. 4. 31-37.

22 Ba mangala ngokufundisa kwake; wa e ba fundisa njengonamandhla, ku nge njengababali. Mat. 7. 28.

23 Kwa ku kona endhlini yabo yokusonta umuntu o nomoya omubi, wa memeza, Luk. 4. 33.

24 E ti, Yeka; si nani kuwe, Jesu wa seNazareta? u ze ukusibubisa na? Ngi ya kwazi ukuba u ubani, u ngo ingewele ka Tixo. Mat. 8. 29.

25 uJesu wa m kuza wa ti, Tula, u pume kuye.

26 Umoya omubi wa m hlukumeza, wa kala ngezwi elokulu, wa puma kuye. isa. 9. 20.

27 Ba mangala bonke, ba buzisana ba ti, Ku ini loku? ikupi loku kufundisa okutya na? u yala omoya ababi ngamandhla, ba m lalala.

28 Kwezwakala udumo lwake ezweni lonke la seGalile.

29 Se be punile endhlini yokusonta, ba ngena endhlini ka Simone noAndrea, be noJakobe noJohane. Mat. 8. 14. Luk. 4. 38.

30 Umkwekazi ka Simone wa e lele e nomkuhlane; ba se be m tyela ngaye.

31 Wa ya wa m lulamisa, e m bamba ngesandhla umkuhlane wa m yeka masinyane; wesuka wa ba kona.

32 Kusihlwa, ilanga se li tyonile, ba zisa kuye abagulayo bonke, naba namademone. Mat. 8. 16. Luk. 4. 40.

33 Umuzi wonke wa u butene ngasemnyango.

34 Wa pilisa abaningi be nezifo, ngezifo, wa kipa amademone amaningi; wa e nga vumeli amademone ukuba a kulume, loku a e m azi. isa. 3. 12. Luk. 4. 41.

35 Ekuseni, ku se mnyama, we suka, wa puma, wa ya endaweni e sehlane, wa kuleka kona. Luk. 4. 42-44.

36 uSimone naba be naye ba m landela. 37 Se be m fumene, ba ti kuye, Ba ku funa bonke.

38 Wa ti kubo, A si ye emizini e seduze, ngi shumayele na kona ngokuba ngi zele loku. Isai. 61. 1. John. 16. 28. & 17. 4.

39 Wa shumayela ezindhlini zabo zokusonta kulo lonke iGalile, wa kipa amademone. Mat. 4. 23.

40 Kwa fika kuye o ilepero, wa m nenganga, e guqa ngamadolo pambi kwake, wa ti kuye, Uma u tanda, u nga ngi hlanbulula. Mat. 8. 2. Luk. 5. 12-15.

41 uJesu, e nesihau, welula isandhla, wa m pata, wa ti kuye, Ngi ya tanda, hlanbululeka.

42 Se e tyilo loku, kwesuka masinyane ubulepero, wa hlanbululeka.

43 Wa m yalisisa, wa m mukisa;

44 Wa ti kuye, Bheka, u nga tyo luto kumuuntu; hamba, u zibonise kumpristi; u nikele ngokuhlanjululwa kwako, loku a ku yalelayo uMosi, ku be ukuqinisa kubo. Levi 14. 3, 4, 10.

45 Kodwa se e punile, wa qala ukushumayela kakulu, nokuidumisa leyo ndaba, kwa za kwa ti uJesu ka be sa ngeua emzini obala; wa e ngapandhle ezindaweni ezi sehlane; beza kuye, be vela inxa zonke. isa. 2. 13.

## ISIAHLUKO 2.

**W**A buya wa ngena eKapernaume ngasemva kwezinsuku; kwezwakala ukuti, u sendhlini. Mat. 9. 1-8. Luk. 5. 17.

2 Ba butana masinyane abaningi, a kwa be ku sa ba ko indawo yokubamkela, na ngasemnyango; wa shumayela izwi kubo.

3 Kwa fika kuye aba leta o iparalio, e twelwe abantu abane.

4 Ba be nge nakusondela kuye ngenxa yabantu, bambula upahla lapa e kona; se be bobosile, ba wehlisa umbede a be lele kuwo o iparalio.

5 uJesu e bona ukukolwa kwabo, wa ti ko iparalio, Mntanami, u tetelelwe izono zako.

6 Kwa ku kona ababali abatile, be hlezi kona, be zindhla ngezinhliziyi zabo ukuti.

7 Lo u kulumelani inhlamba na? ubani o nga tetelela izono, ka si ye uTixo yedwa na? Jobe 14. 4. Isai. 43. 25.

8 uJesu se e kwazi ngomoya wake, ukuba ba zindhla okunjalo pakati kwabo, wa ti kubo, Ni zindhlelani loku ezinhliziyweni zenu na?

9 Ukupi okulula, ukuti ko iparalio, U tetelelwe izono zako; nokuti, Suka u tabate umbede wako, u hanibe na?

10 Kepa ukuze nazi ukuba iNdodana yomuntu i namandhla emhlabeni okutetelela izono, wa ti ko iparalio,

11 Ngi ti kuwe, Suka, u tabate umbede wako, u ye endhlini yako.

12 Wa se e suka, wa tabata umbede wake, wa puma pambi kwabo bonke; ba mangala bonke, ba m dumisa uTixo, ba ti, A si zanga si ku bone okunje.

13 Wa buya wa hamba, wa ya nga selwandhle; abantu bonke ba butana kuye; wa ba fundisa.

14 E sa dhlula wa bona uLevi ka Alfeu, e hlezi endaweni yokutela imali; wa ti kuye, Ngi landele. Wesuka, wa m landela. Mat. 9. 9-13. Luk. 5. 27-32.

15 Kwa ti, e se cambalele ekudhleni endhlini yake, abatelisi abanungi nezoni ba cambalala noJesu nabafundi bake; ba be baningi, ba m landela.

16 Ababali nabaFarisi, be m bona e dhla nabatelisi nezoni, ba ti kubafundi bake, Ini ukufa a dhle a puze nabatelisi nezoni na?

17 uJesu e zwile wa ti kubo, Abapilileyo a ba dingi inyanga, abagulayo b-dwa; a ngi zanga ukubiza abalungileyo, ngi ze ukubiza izoni zi penduke.

Mat. 18. 11. Luk. 19. 10. 1 Tim. 1. 15.

18 Abafundi baka Johane nabaFarisi ba be zila ukudhla; beza ba ti kuye, Ini ukuba abafundi baka Johane nabaFarisi ba zile ukudhla, be nga zili abafundi bako na? Mat. 9. 14. Luk. 5. 33.

19 uJesu wa ti kubo, Abayeni ba nga zila ini, umyeni e se nabo na? Ba nge zile umyeni e se nabo.

20 Kodwa ku za kufika izinsuku, lapo umyeni e ya kususwa kubo bandu kuzila nga lolosuku.

21 A ku ko umuntu o tungela isiziba esitya engutyeni endala; ku nga ti isiziba esitya esinjalo si hxebule endala, kwande ukubxebuka.

22 A ku ko umuntu o tela iwaini elitya ezimvabeni ezindala; kungati iwaini elitya li qumise izimvaba, iwaini li citeke, izimvaba zonakale; kodwa iwaini elitya nga li telwa ezimvabeni ezintya.

23 Kwa ti wa dabula emasimini ngesabata; abafundi bake ba qala ukuka izikwebu be hamba. Mat. 12. 1-8.

Luk. 6. 1-11. Dut. 23. 25.

24 Abafarisi ba ti kuye, Bheka, ba kwenzelani okungafanele ngesabata na?

25 Wa ti kubo, A ni zanga ni funde ini okwenziwa uDavida, msukwana e dinga elambile, yena nabo aba be naye? 1 Sam. 21. 6.

26 Ukuti, wa ngena endhlini ka Tixo, ku se ni uAbiatar umpristi omkulu,

wa dhla izinkwa zokubekelwa, ezi nga fanele ukudhliwa umuntu, abapristi kupela, wa nika aba be naye?

Eks. 29. 32, 33. Levi 24. 9.

27 Wa ti kubo, Isabata la benzelwa abantu, abantu a benzelwanga isabata.

28 Njalo iNdodana yomuntu i iNkosi neyesabata. Mat. 12. 8.

### ISAHLUKO 3.

**W**A buya wa ngena endhlini yokusonta: kwa ku kona umuntu o nesandhla esishwabeneyo. Mat. 12. 9-14. Luk. 6. 6-11.

2 Ba m linda, uma u ya kumpilisa ngesabata, ukuba ba m tolise icala.

3 Wa ti kumuntu o nesandhla esishwabeneyo, Suka u me.

4 Wa ti kubo, Ku fanele ngesabata ukwenza okulungileyo nokwenza okubi, ukupilisa nokubulala na? Ba tula.

5 Wa ba bhekisisa e tukutele, e dabukile ngobulukuni bezinhliziyi zabo, wa ti ku lomuntu, Yelula isandhla sako. Wa selula; isandhla sake sa piliswa, sa ba njengesinye.

6 Abafarisi ba puma, ba tyetya benza icebo kanye nabaka Herodi, lokuba ba m bulale. Mat. 22. 16.

7 uJesu wemuka nabafundi bake, wa ya ngaselwandhle; abantu abaningi ba m landela, be vela eGalile na seJudia,

Luk. 6. 17.

8 Na seJerusalem, na seDumia, na ngapesheya kweJordani; naba seTire neSidone, abantu abaningi, se be zwile a be kwenzile, beza kuye.

9 Wa tyo kubafundi bake, ukuba umkunjana u m hlalele ngenxa yabantu, ba nga m cindezeli.

10 Ngokuba e be pilise abaningi, ba za ba minyana pezu kwake, ukuba ba m pate bonke aba be nezifo.

11 Omoya ababi, be m bona, ba wa pambi kwake, ba kala ba ti, Wena u iNdodana ka Tixo. isa. 1. 23. Luk. 4. 41.

Mat. 14. 33. isa. 1. 1.

12 Wa ba yala kakulu ukuba ba nga m zwakalisi. Mat. 12. 16. isa. 1. 25, 34.

13 Wenyuka wa ya entabeni, wa ba bizela kuye njengentando yake; beza kuye. Mat. 10. 1. Luk. 6. 12. & 9. 1.

14 Wemisa aba ishumi nambili, ukuba ba be naye, a ba tume ba ye ukushumayela,

15 Ba be namandhla okupilisa izifo nokukipa amademone.

16 uSimone wa m qamba igama lokuti uPetro; John. 1. 42

17 uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo ka Jakobe, wa ba qamba amagama okuti, o Boanergese oku ukuti, Amadodana okuduma,

18 noAndrea, noFilipu, noBartolome, noMateu, noTomasi, noJakobe ka Alfeu, noTadeu, noSimone, uMkanani.

19 noJuda uIskarioti, owa m nikelayo. Ba ngena endhlini.

20 Abantu ba buya ba butana, a kwa bako ituba lokuba ba dhle ukudhla.

isa. 6. 31.

21 Aba kubo, se be zwile, ba puma, ba ya kumbamba; ba ti, u ya ndiyaza.

John. 7. 5. & 10. 20.

22 Ababali abehla eJerusalema ba ti, U noBelzebule; u kipa amademone ngenkosi yamademone. Mat. 9. 34. & 10. 25.

Luk. 11. 15. John. 7. 20. & 8. 48, 52. & 10. 20.

23 Wa ba biza, wa kuluma kubo ngenimfanekiso yokuti, uSatani a nga kipa kanjani nSatani na? Mat. 12. 25-29.

24 Uma umbuso wahlukene wodwa, lowombuso u ngeme.

25 Nenhlulu uma yahlukene yodwa, leyondhlu i ngeme.

26 uSatani uma e zivukela yena, ahlu-kene yedwa, a ngeme, u za kuciteka.

27 A ku ko umuntu o nga ngena endhlini yesiqwaga, a pange impahla yaso, e nga qali a bope isiqwaga, andu kupanga indhlu yaso. Isai. 49. 24.

28 Ngi qinisile ngi ti kini, Abantwana babantu ba ya kutetelelwa ukona kouke, nokutuka aba tuka ngako; Mat. 12. 31.

Luk. 12. 10.

29 Kodwa lowo o tuka uMoya o ingewele, ka nakutetelelwa napakade, u se ncala lokulahlwa okupakade.

30 Ngokuba ba ti, U nomoya omubi.

31 Kwa fika unina nabafo wabo, bema ngapandhle, ba tumela kuye, be m biza. Mat. 12. 46-50. Luk. 8. 19-21.

32 Abantu ba be hlezi kuye, ba ti kuye, Nangu unyoko nabafo wenu ngapandhle, be ku funa,

33 Wa ba pendula wa ti, Ubani uma-me nabafo wetu na?

34 Wa ba qalaza aba be hlezi nga kuye, wa ti, Bhekani, nangu umame nabafo wetu.

35 O yenza intando ka Tixo, uyena umfo wetu, nodade wetu, nomame.

#### ISAHLUKO 4.

WA buya wa qala ukufundisa ngaselwandhle; kwa butana kuye abantu abaningi, wa ngena emkunjinini wa hlala

elwandhle; abantu bonke ba be nga selwandhle emhlabatini. Mat. 13. 1-15.

Luk. 8. 4-10.

2 Wa ba fundisa okuningi ngemifanekiso, wa ti kubo ekufundiseni kwake.

isa. 12. 38.

3 A ke ni zwe; Bhekani, kwa puma umhlwanyeli, wa ya ukuhlwanyela;

4 Kwa ti ekuhlwanyeleni kwake, enye imbeu ya wa ngasendhleleni, kwa fika izinyoni zezulu za i catya.

5 Enye ya wa ogedhleni, i nge namhlabati omningi, ya mila masinyane, ngokuba i nge namhlabati omningi:

6 Kepa se li pumile ilanga, ya hamuka, ya buna, i nge nampande.

7 Enye ya wa emeveni; ameva a hluma a i minyanisa, a i telanga ukudhla.

8 Enye ya wa emhlabatini olungileyo, ya tela ukudhla okuhlumayo nokwando, ya veza, enye ngamashumi amatatu, enye ngamashumi a isitupa, enye ngeku. John. 15. 5. Kol. 1. 6.

9 Wa ti kubo, O nezindhlebe zokuzwa a kezwe.

10 E se yedwa, ba m buza lomfanekiso aba be naye naba ishumi nambili.

11 Wa ti kubo, Ni piwe nina ukwazi imfihlakalo yombuso ka Tixo; kodwa kwabangapandhle konke kwenziwa ngenimfanekiso: 1 Kor. 5. 12. Kol. 4. 5.

1 Tes. 4. 12. 1 Tim. 3. 7.

12 Ukuba ngokubona ba bone, ba nga bonisisi; na ngokuzwa bezwe, ba nga qondi; funa ba penduke, ba tetelwe izono. Isai. 6. 9. Mat. 13. 14. Luk. 8. 10.

13 Wa ti kubo, A ni wazi lomfanekiso na? ni ya kuyazi kanjani yonke imifanekiso na?

14 Umhlwanyeli u hlwanyela izwi.

Mat. 13. 18-23. Luk. 8. 11-15.

15 Aba ngasendhleleni ilabo, lapa ku hlwanyelwe kona izwi, se be zwile, ku fike uSatani masinyane, a suse izwi e be li hlwanyelwe ezinhliziyweni zabo.

16 Njalo abahlwanyelwe ogedhleni ilabo, se be li zwile izwi, ba tyetya ba lamkele ngokujabula;

17 Kepa ka ba nampande pakati kwabo, ba hlala isikatyana, kwandu kufika ukhlupeka nokuzingelwa ngenxa yezwi, ba kubeke.

18 Abahlwanyelwe emeveni ilabo aba li zwa izwi,

19 Kepa ukunaka lelizwe, nokukohlisa kwemfuyo, nezinkanuko zezinye izinto, zi ngena, zi minyanise izwi, li nga bi nasitelo. 1 Tim. 6. 9, 17.

20 Abahlwanyelwe emhlabatini olungileyo ilabo, aba li zwa izwi, ba lamkela, ba tela izitelo, omunye ngamashumi amatatu, omunye ngamashumi a isitupa, omunye ngekulu.

21 Wa ti kubo, Isibani si letwa ukuba si bekwe pansi kwesitya, nokuba pansi kombede na? a si letwa ukuba si bekwatini lwesibani na? Mat. 5. 15.

Luk. 8. 16. & 11. 33.

22 A ku ko okusitekileyo, oku nga yi kubonkaliswa; a ku ko okwa fihlakala, oku nga yi kuba sobala. Mat. 10. 26.

Luk. 12. 2.

23 Uma e kona o nezindhlebe zokuzwa, a kezwe. Mat. 11. 15.

24 Wa ti kubo, Qondani eni ku zwayo; nga lesosilinganiso eni linganisa ngaso, nani ni ya kulinganiselwa ngaso, kwenzelwe kinina abezwayo.

Mat. 7. 2.

25 O nako u ya kupiwa; o nge nako u ya kwapuewa na loko a nako.

Mat. 13. 12.

26 Wa ti, Umbuso ka Tixo u njengokuba umuntu e tyala imbeu emhlabatini. Mat. 13. 24.

27 A lala a vuke ebusuku na semini; imbeu i mile, i kule, e ngazi kanjani.

28 Umhlabati u tela ukudhla ngokwayo; kuqala isitombo, kona isikwebu, kwandu kuba amabele a pelele esikweityini.

29 Nxa ku vutiwe ukudhla, u faka masinyane isikela, ngokuba ukuvuna se ku fikile. Isam. 14. 15.

30 Wa ti, Si ya kuufanisa nani umbuso ka Tixo na? si ya kuulinganisa ngesilinganiso sini na? Mat. 13. 31. Luk. 13. 18.

31 U njengenhilamvu yesinapi, i sa hlwanyelwa emhlabatini, incinyane ku nazo zonke izinhilamvu zembeu ezi semhlabeni.

32 Kodwa nxa se i hlwanyelwe, i mila, i be nkulu ku nazo zonke izilimo, i xantela amagatya amakulu, ku ti izinyoni zezulu zi hlale pansi komtunzi waso.

33 Wa shumayela izwi kubo ngemifanekiso eminingi enjalo, njengamandhla abo okuzwa. Mat. 13. 34. John. 16. 12.

34 Kodwa ka shumayelanga kubo ku nge ngamfanekiso; se be bodwa wa ba casisela abafundi bake konke.

35 Nga lolosuku, se ku hlwile, wa ti kubo, A si wele si ye ngapesheya.

Mat. 8. 18, 23. Luk. 8. 22.

36 Se be mukise abantu, ba m tabata e

semkunjini, kwa ku kona naye eminye imikunjana.

37 Kwa fika isipepo esikulu somoya, amaza a ponseka a ngena emkunjini, wa se u gewele.

38 Kepa yena wa e ngasemva emkunjini, e lele esicamelweni; ba m vusa ba ti kuye, Mfundisi, a u katalele ukuba si buba na?

39 Wesuka wa kuza umoya, wa ti kulolwandhle, Tula, u ti nya! Umoya wa nqamuka, kwa ba kona ukutula okukulu.

40 Wa ti kubo, Nesabelani kangaka na? a ni kolwa ngani na?

41 Besaba nokwesaba; ba kuluma ba ti, Ubani lo, loku umoya nolwandhle lu ya m lalala?

### ISAHLUKO 5.

**B**A welela ngapesheya kolwandhle ezweni lamaGadara. Mat. 8. 28.

Luk. 8. 26.

2 Se e pumile emkunjini, wa hlangabezwa umuntu e vela ematuneni, e nomoya omubi.

3 O wa e hlala ematuneni; kwa ku nge ko umuntu o namandhla okumbo-pa, na ngamakatanga.

4 Wa be e botyiwe kaningi ngezibopo na ngamakatanga, amakatanga a be gqatyulwe uye, nezibopo za nqanyulwa; ku nge ko umuntu o namandhla okuntambisa.

5 Ngesikati sonke, ebusuku na semini, wa e sematuneni na sezintabeni, e kala, e zisika ngamatye.

6 Kepa e m bona uJesu e kude, wa gijima, wa kuleka kuye.

7 Wa kala ngezwi elikulu, wa ti, Ngi nani kuwe, Jesu, Ndodana ka Tixo o pezu konke? Ngi ku fungisa uTixo, u nga ngi hlupi.

8 Wa ti kuye, Puma ku lomuntu, moya omubi.

9 Wa m buza, wa ti, Ubani igama lako? Wa ti kuye, Ulegeona igama lami, ngokuba si baningi.

10 Wa m ncenga kakulu, ukuba a nga ba mukisi ku lelozwe.

11 Kwa ku kona lapo, nga sentabeni, umhlambi omkulu wezingulube, zi dhla.

12 Amademone onke a m ncenga a ti, Si tume ezingulubeni, si ngene kuzo.

13 uJesu wa wa vumela: omoya ababi ba puma, ba ngena ezingulubeni, umhlambi wa gijimela elwandhle nga



sesiweni, (ku nga ti za zi izinkulungwane ezimbili) wa minza elwandhle.

14 Aba be zalusa ba baleka, ba ya ba bika emzini na sezweni. Ba puma ba ya kubona okwenziweyo.

15 Beza kuJesu, ba m bona o be kwelwe idemone, o be nelegeona, e hlezi, embete, e qonda; besaba.

16 Aba be bonile ba ba tyela okwenziwe kuye, owa be e kwelwe idemone, nokwezingulube.

17 Ba qala ukumncenga ukuba a muke ezweni la kubo. Mat. 8. 34. Imis. 16. 39.

18 Se e ngenile emkunjini, lowo owa be e kwelwe idemone wa m nxusa ukuba a be naye. Luk. 8. 38.

19 Kodwa ka m vumelanga; kepa wa ti kuye, Hamba u ye ekaya, kwaba kini, u ba tyele loku konke iNkosi e kwenzileyo kuwe, ya ku haukela.

20 Wemuka wa ya wa qala ukushumayela eDekapoli loko konke, uJesu a be kwenzile kuye: ba mangala bonke.

21 uJesu e se buye wa welela ngapheya ngomkumbi, abantu abaningi ba butana kuye; wa e nga selwandhle.

Mat. 9. 1. Luk. 8. 40.

22 Kwa fika omunye kubabusi bendhlu yokusonta, igama lake li ngu-Jairo, e m bona, wa wa nga sezinyaweni zake. Mat. 9. 18-26. Luk. 8. 41-56.

23 Wa m ncenga kakulu e ti, Intombazana yami i za kufa; woza u beke izandhla pezu kwayo, i sindiswe; yo pila.

24 Wa hamba naye; wa landelwa abantu abaningi, ba m cindezela.

25 Umfazi otile, owa be nesifo sokopa igazi iminyaka e ishumi nambili.

Levi 15. 25.

26 Wa hlutywa kakulu izinyanga eziningi wa zi kokela konke a nako, e nga sizwa luto, kodwa kwa m qinisa kakulu.

27 Se e zwile ngoJesu, weza ebantwini ngasemva, wa namata ingubo yake.

28 Wa ti, Uma ngi namata izingubo zake kodwa, ngi za kusinda.

29 Kwa tya masinyane ukopa kwegazi lake, wezwa ngomzimba ukuba u sindile ku lesosifo.

30 uJesu se e zwile ukuba amandhla a pumile kuye, wa pendukela ebantwini, wa ti, Ubani o namate izingubo zami na? Luk. 6. 19.

31 Abafundi bake ba ti kuye, U ya bona abantu be ku cindezela, u ti, Ngi patwe ubani na?

32 Wa qalaza ukuba a bone o wenze loku.

33 Umfazi esaba, e tutumela, e kwazi okwenzekile kuye, weza wa wa pambi kwake, wa m tyela iqiniso lonke.

34 Wa ti kuye, Mntanami, ukukolwa kwako ku ku sindisile; hamba kahle, u sinde esifweni sako. isa. 10. 52.

35 E sa kuluma, kwa fika abombusi wendhlu yokusonta, ba ti, Intombazana yako i si file; u sa m katazelani uMfundisi na; Luk. 8. 49.

36 uJesu e sa li zwa lelizwili shunyayelwa, wa ti kumbusi wendhlu yokusonta, U ngesabi, kolwa kupela.

37 A ka vumelanga umuntu a m landele, uPetro, noJakobe, noJohane, umfo wabo ka Jakobe kupela.

38 Wa fika endhlini yombusi wendhlu yokusonta, wa bona ukuxokozela, nabo aba be kala, be lila kakulu.

39 Wa ngena, wa ti kubo Ni xokozelelani, ni kala na? intombazana a i file, i lele. John. 11. 11.

40 Ba m hleka, kepa wa ba kipa bonke, wa tabata uyise womntwana nonina, nabo aba be naye, wa ngena nabo lapa e lele kona umntwana.

Imis. 9. 40.

41 Wa bamba umntwana ngesandhla, wa ti kuye, Talita kumi; oku ukuti ukukumushelwa, Ntombazana, ngi ti kuwe, vuka.

42 Yesuka intombazana, ya hamba; ya i neminyaka e ishumi nambili ngokuzalwa. Ba mangala nokumangala.

43 Wa ba yalisisa ukuba ku ngaziwa umuntu; wa ti, ma i nikwe ukudhla.

Mat. 8. 4. isa. 3. 12.

## ISAHLUKO 6.

**W**EMUKA lapo, weza ezweni la kubo; abafundi bake ba m landela.

Mat. 13. 54-58. Luk. 4. 16.

2 Se ku fike isabata, wa qala ukushumayela endhlini yokusonta; abaningi abezwayo ba mangala ba ti, Ku velapi loku a nako na? ukuhlakanipa kuni a nikwe kona na? nemisebenzi emikulu engaka yenziwe izandhla zake?

John. 6. 42.

3 Lo a siye umbazi na? indodana ka Maria, umfo wabo ka Jakobe, noJose, noJuda, noSimone? nodade wabo, ka ba ko lapa kiti na? Ba cunuka ngaye.

Mat. 12. 46. Gal. 1. 19.

4 Kepa uJesu wa ti kubo, Umprofeti

ka delwa, kupela ezweni la kubo, na sezhlotyeni zake, na sendhlini yake.

John. 4. 44.

5 A ka ba nakwenza umsebenzi omkulu lapo, wa beka izandhla pezu kwabagulayo aba incozana, wa ba pilisa, kupela.

Gen. 19. 22. isa. 9. 23.

6 Wa mangala ngokungakolwa kwabo. Wa dabula imizi ya kona, e fundisa.

Isai. 59. 16. Mat. 9. 35. Luk. 13. 22.

7 Wa biza aba ishumi nambili, wa qala ukubatuma ngababili, wa ba nika amandhla okuba ba kipe omoya ababi.

Mat. 10. 1. isa. 3. 14. Luk. 9. 1.

8 Wa ba yala ukuba ba nga pati uto lwendhlehle, kupela udondolo lodwa; ba nga pati nasikwama, nakudhla, namali ebandeni:

9 Kodwa ba fake izicatulo; ba ngambati izingubo ezimbili.

Imis. 12. 8.

10 Wa ti kubo, Indhlu eni ya kungenayo kuyo, hlalani lapo, ni ze ni muke kona.

Mat. 10. 11, 14.

11 Aba nga namkeliyo, naba nga ni zwayo, nxa ni muka kona, ni tuntute utuli olu pansi kwezinyawo zenu, ku be iqiniso kubo. Ngi qinisele ngi ti kini, Ku ya kuba lula eSodoma neGomora ngosuku lokwahlula, ku na ku lowomuzi.

Imis. 13. 51. & 18. 6.

12 Ba puma, ba ya ba shumayela, be ti, abantu ma ba penduke.

13 Ba kipa amademone amaningi, ba geoba ngamafuta abaningi abagulayo, ba ba pilisa.

Jak. 5. 14.

14 Inkosi uHerodi yezwa (la li dumile igama lake), ya ti, uJohane umbapatizi u vukile kwabafuleyo, ku ngaloko imisebenzi emikulu i setyenzwa uye.

Mat. 14. 1-12. Luk. 9. 7-9.

15 Abanye ba ti, U nguElija; abanye ba ti, U ngumprofeti, njengomprofeti.

Mat. 16. 14. isa. 8. 28.

16 Kodwa uHerodi, e ku zwa, wa ti, Uyena uJohane, e nga m nquma ikanda; u vukile kwabafuleyo.

Mat. 14. 2. Luk. 3. 19.

17 Yena uHerodi wa be e tumele, wa m bamba uJohane, wa m faka etilongweni ngaye uHerodia, umka Filipu, umfo wabo, wa e ganiwe uye.

18 uJohane wa be e ti kuHerodi A ku fanele wena u be nomka mfo wenu.

Levi 18. 16. & 20. 21.

19 uHerodia wa m nxamela e tanda ukumbulala, kodwa wahluleka.

20 Ngokuba uHerodi wesaba uJohane, e m azi ukuba umuntu olungileyo no-

ngewele; wa m geina, e mu zwa wa zenza izinto eziningi, wa mu zwa ngokujabula.

Mat. 21. 26.

21 Se ku fike usuku olulungileyo, uHerodi ngosuku lokuzalwa kwake, wa benzela ukudhla izikulu zake, nezinduna, nabanumzana ba seGalile.

Gen. 40. 20.

22 Ya ngena intombazana ka Herodia, ya sina, ya m tokozisa uHerodi naba be hlezi naye; inkosi ya ti kuyo intombazana, Cela kimi o ku tandayo, ngi ya kukunika kona.

23 Wa funga kuyo e ti, Loko o ya kukucela kimi, ngi ya kukunika, noma ku inxenye yombuso wami.

Eset. 5. 3, 6. & 7. 2.

24 Ya puma ya ti kunina, Ngi za kucelani naye? Wa ti, Ikanda likaJohane umbapatizi.

25 Ya se i tyetya ya ngena enkosini, ya eela, ya ti, Ngi tanda ukuba u ngi pe kona manje esityeni ikanda lika Johane umbapatizi.

26 Inkosi ya dabuka kakulu; kepa, ngesifungo na ngabo aba be hlezi naye, a i tandanga ukuilandulela.

27 Inkosi ya se i tuma ibuto, ya li tyela ukuba ku letwe ikanda lake; lona la hamba la m nquma ikanda etilongweni;

28 La leta ikanda lake ngesitya, la li nika intombazana; ya li nika unina.

29 Se be ku zwile abafundi bake, beza ba tabata isidumbu sake, ba si beka etuneni.

30 Abapostoli ba hutana kuJesu, ba m tyela konke aba be kwenzile naba be ku fundisile.

Luk. 9. 10.

31 Wa ti kubo, Yizani nina nodwa endaweni e ihlane, ni pumule incozana; ba be baningi aba be fika, naba be muka, ba be nge nasikati sokudhla.

Mat. 14. 13. isa. 3. 20.

32 Bemuka ba ya endaweni e ihlane, be bodwa.

33 Abantu ba ba bona be muka, abaninge ba m azi, ba gijimela kona ngezinyawo be puma emizini yonke, ba ba dhlula ba butana kuye.

34 uJesu se e pumile, wa bona abantu abaninge, wa ba haukela, be be njengezimvu ezi nge namalusi; wa qala ukubafundisa kakulu.

Mat. 9. 36. & 14. 14-21.

Luk. 9. 11-17.

35 Se ku dhlulile usuku, abafundi bake beza kuye, ba ti, Ku sehlane lendawo usuku se lu dhlulile;

36 Ba mukise, ba ye emazweni a ngakona, na semizini, ba zitengele ukudhla, ngokuba be nge nanto yokudhla.

37 Wa pendula wa ti kubo, Ba peni nina, ba dhle. Ba ti kuye, Si za kuya, si tenge izinkwa ngodenario abamakulu amabili, si ba pe, ba dhle na ?

Imib. 11. 13, 22. 2 Ama. 4. 43.

38 Wa ti kubo, Zi ngaki izinkwa eni nazo na? hambani ni bone. Se be zazi ba ti, Zi isihlanu, nezinhlauzi ezimbili.

John. 6. 9. Mat. 15. 34. isa. 8. 5.

39 Wa ba tyela, ukuba ba ba hlalise bonke ngamabandhla otyanini obuluhlaza.

40 Ba hlala ngamaviyo, ngamakulu na ngamashumi amahlanu.

41 Wa tabata izinkwa ezi izihlanu nezinhlanzi ezimbili, wa bheka ezulwini, wa bonga, wa hlepula izinkwa, wa ba nika abafundi bake, ukuba ba zi beke pambi kwabo; neziuhlansi ezimbili wa zabela bonke. 1 Sam. 9. 13. Mat. 26. 26.

42 Ba dlala bonke ba suta.

43 Ba buta amaqoma a ishumi nambili e gewele imvutuluka eseleyo, nawezinhlanzi.

44 Labo aba be dhla izinkwa ba be izinkulungwane ezi isihlanu amadoda.

45 Wa se e quba abafundi bake, ukuba ba ngene emkunjini, bandulele ukuya ngapesheya nga seBetsaida, yena e sa mukisa abantu. Mat. 14. 22-36.

John. 6. 15-21.

46 Se e ba mukisile, wemuka wa ya entabeni ukuba a kuleke.

47 Se ku hlwile, yenkumbi wa u pakati kolwandhle, e yedwa yena emhlabatini.

48 Wa ba bona be hlupeka ngokugwehla, ngokuba umoya u pambene nabo. Ngomlindo wesine wobusuku, weza kubo, e hamba pezu kolwandhle, wa e kubadhlula. Luk. 24. 23.

49 Se be m bonile e hamba pezu kolwandhle, ba ti itongo, ba kala.

50 Ba m bona bonke, betuka. Wa se e kuluma nabo, wa ti kubo, Yimani isibindi, imina, ni ngesabi.

51 Wa kupukela kubo emkunjini; umoya wa tula; betuka, ba mangala nokumangala impela.

52 Ka be nga qondile isimangaliso sesinkwa, ya i nge nakuzwa inhliziyoyabo. isa. 8. 17. 18. & 3. 5. & 16. 14.

53 Ba wela, beza ezweni la seGenesaret, ba sondela ogwini.

54 Se be pumile emkunjini, ba m azi.

55 Ba gjimela ezweni lonke la ngakona, ba qala ukutwala ngemibede abagulayo, ba ba yisa lapo be mu zwa e kona.

56 Lapa wa ngena kona, emizaneni, na semizini, na semazweni, ba beka abagulayo ezindhleleni, ba m ncenga ukuba ba pate umpeto nje wengubo; abampatayo ba sindiswa. Mat. 9. 20.

isa. 5. 27, 28. Imis. 19. 12.

## ISIAHLUKO 7.

**K**WA butana kuye abafarisi nabanye kubabali aba vela eJerusalem.

Mat. 15. 1-23.

2 Se be bonile abanye kubafundi bake be dhla ukudhla ngezandhla ezibi oku ukuti ezi nga hlanjwanga, ba sola.

3 Abafarisi nabaJuda bonke a ba dhli be nga hlambisisile izandhla, ba bambe imvelo yabadala.

4 Nxa be vela endaweni yokubutana, a ba dhli, be nga ka hlambi. Ku kona nezinye izinto eziningi aba zi fundileyo, ba zi bamba, ukuhlansa izindebe, nezimbiza, nezitya zetusi, nemibede.

5 Kona abafarisi nababali ba m buza be ti, Abafundi bako a ba hambi ngani ngemvelo yabadala, kepa ba dhla ukudhla ngezandhla ezi nga hlanjwanga?

6 Wa pendula wa ti kubo, uIsaya wa profeta kahle ngani, nina bazenzisi, nje ngokulotyiweyo ukuti Lababantu ba ya ngi dumisa ngeziudebe, kepa inhliziyoyabo i kude nami. Isai. 29. 13.

7 Ba ngi konza ngeze, be fundisa izifundiso ezi imiyalo yabantu.

8 Ni yeka umyalo ka Tixo, ni bamba imvelo yabantu, ukuhlansa izimbiza nezindebe, nezinye izinto eziningi ezinjalo ni ya zenza.

9 Wa ti kubo, Nembala ni ya cita umteto ka Tixo, ukuba ni bambe imvelo yenu.

10 uMosi wa ti, Dumisa uyihlo nonyoko; nokuti, Otuka uyise nonina a ka fe nokufa. Eks. 20. 12 & 21. 17. Dut. 5. 16.

11 Kodwa nina ni ti, Uma umuntu e ti kuyise nonina, Ku ikorbana, (oku ukuti, umnikelo,) loku engi ku siza ngako; Mat. 15. 5.

12 Ni nga be ni sa m vumela ukuba enzele uyise nonina uto,

13 Nenze izwi lika Tixb li be ize ngevumelo yenu, eni i fundisileyo; nezinye izinto eziningi ezinjalo ni ya zenza.

14 Wa biza abantu bonke, wa ti kubo, Ngi laleleni nonke ni zwisise: Mat. 15. 10.

15 A ku ko into e ngapandhle komuntu, e ngena kuye, e nga m ngcolisa; kepa okupuma kuye, ku iloku oku m ngcolisa umuntu.

16 Uma e kona o nezindhlebe zokuwaza, ma kezwe. Mat. 11. 15.

17 Se e ngenile endhlini, e vela kubantu, abafundi bake ba m buza nga lomfanekiso. Mat. 15. 15.

18 Wa ti kubo, Nani ni se ngabangaqondiyo na? A ni boni ini ukuba konke oku ngapandhle ku ngena kumuntu, ku nge m ngcolise.

19 Ngokuba ku uga ngeni enhliziyweni, ku ngena esiswini, ku pumele ngapandhle, ku hlanzwe ukudhla konke.

20 Wa ti, Oku puma kumuntu iloku oku m ngcolisa umuntu.

21 Ku puma ngapakati enhliziyweni yabantu izizindhlo ezimbi, nokupinga, nokuhlobonga, nokubulala,

Gen. 6. 5. & 8. 21. Mat. 15. 19.

22 Ukweba, ukufisa, ukona, ukukohlisa, ukukanuka, iso elibi, inhlaniba, ukuzidhla, ubuula.

23 Lezizinto zonke ezimbi zi vela ngapakati, zi ngcolise umuntu.

24 Wesuka lapo, wa ya ezweni la seTire neSidone. Wa ngena endhlini, e nga tandi ukwaziwa umuntu; kodwa wa be e nge fihlakale. Mat. 15. 21.

25 Umfazi, o ntombazana yake i nomoya omubi, e zwile ngaye, weza wa wa ezinyaweni zake.

26 Lomfazi wa e ngumGrecki, umSirofenike ngokuzalwa, wa m nxusa ukuba a kipe idemone entombazaneni yake.

27 Kepa uJesu wa ti kuye, Ma ke ku sute abantwana kuqala; a ku kuhle ku tatyatwe ukudhla kwabantwana ku ponswe ezinjeni.

28 Wa pendula wa ti kuye, Yebo, Nkosi, kepa izinja zi ya dhla imvutuluka yabantwana pansi kwesitebe.

29 Wa ti kuye, Nga lokukutyo, hambake; idemone li pumile entombazaneni yako.

30 Se e fikile endhlini yake, wa fumana idemone li pumile, intombazana i lele embedeni.

31 Wa buya wemuka ezweni la seTire neSidone, weza nga selwandhle lwa seGalile, e dabula ezweni la seDekapoli.

Mat. 15. 29-31.

32 Ba zisa kuye isitulu esi namalimi; ba m ncenga ukuba a beke isandhla pezu kwaso. Mat. 9. 32. Luk. 11. 14.

33 Wa si tabata wa si sitelisa eba-

ntwini, wa faka iminwe yake ezindhlebeni zaso, wa fela amate wa pata ulimi lwaso: isa. 8. 23. John. 9. 6.

34 Wa bheka ezulwini, wa bubula, wa ti kuso Efata, oku ukuti, Vuleka.

isa. 6. 41. John. 11. 41. & 17. 1.

John. 11. 33, 38.

35 Za se zi vuleka izindhlebe zaso, umtambo wolimi lwaso wa tukuluka, sa kuluma, si pumesela. Isai. 35. 5, 6.

Mat. 11. 5.

36 Wa ba yala ba nga tyeli umuntu; kodwa ba shumayela kakulu ku nako, aba yala ngako. isa. 5. 43.

37 Ba mangala nokumangala, be ti, U kwezile konke kahle; wenze izitulu zi zwe, nezimungulu zi kulume.

### ISAHLUKO 8.

**N**GA leyomihla abantu be baningi be nge nakudhla, uJesu, wa biza abafundi bake, wa ti kubo, Mat. 15. 32-38.

2 Ngi ya ba haukela abantu, se ku izinsuku ezintatu be hlezi nami be nge nakudhla;

3 Uma ngi ba mukisela emakaya abo, be lambile, ba ya kukatala endhleteni, loku abanye ba vela kude.

4 Abafundi bake ba m pendula ba ti, Umuntu a nga tolapi lapa ehlane ukudhla kokusutisa laba na?

5 uJesu wa ba buza wa ti, Ni nezinkwa zi ngapi na? Ba ti, Zi isikombisa.

isa. 6. 38-41.

6 Wa tyela abantu ukuba ba hlale pansi; wa tabata izinkwa ezi isikombisa, wa bonga, wa zi hlepula, wa nika abafundi bake, ukuba ba babele; baabela abantu.

7 Ba be nezinhlanzana ezi incozana; wa bonga, wa tyo ukuba ba babele nazo.

Mat. 14. 19.

8 Ba dhla, besuta; ba buta imvutuluka eseleyo amaqoma a isikombisa.

9 Aba be dhile ba be nga ti izinkulungwane ezine; wa ba mukisa.

10 Wa se e ngena emkunjini nabafundi bake, weza ezweni la seDalmanuta.

Mat. 15. 39.

11 Kwa fika abaFarisi, ba qala ukumbuza, be funa kuye isibonakaliso sa sezulwini, be m linga. Mat. 12. 33. & 16. 1.

John. 6. 30.

12 Wa bubula kakulu ngomoya wake, wa ti, Lesisizukulwane si funelani isibonakaliso na? Ngi qinisele ngi ti kini, Lesisizukulwane a si yi kunikwa isibonakaliso.

13 Wa ba shiya, wa buya wa ngena emkunjini, wemuka wa ya ngapesheya.

14 Ba be kohliwe ukupata izinkwa, be nge nasinkwa emkunjini, si sinye kupela. Mat. 16. 5-12.

15 Wa ba yala wa ti, Bhekani, ni xwaye invubelo yabaFarisi, nemvubelo ka Herodi. Luk. 12. 1.

16 Ba zindhlisana ba ti, U tyo ngokuba si nge nakudhla.

17 uJesu e kwazi wa ti kubo, Ni zindhlisanelani, ni ti, ku ngokuba ni nge nakudhla na? A ni ka qondi, a ni ka zwisisi ini na? inhliziyu yenu i se lukuni na? isa. 6. 52.

18 Ni namehlo, a ni boni na? ni nezi-ndhlebe, a ni zwa na? a ni kumbuli na?

19 Umsukwana be ngi hlepula izinkwa ezi isihlanu, nga babela aba izinkulungwane ezi isihlanu, na buta amaqoma mangapi e gewele invutuluka na? Ba ti kuye, Ishumi nambili. Mat. 14. 20.

isa. 6. 43. Luk. 9. 17. John. 6. 13

20 Nomsukwana be ngi hlepula ezi isikombisa, nga babela aba izinkulungwane ezine, na buta amaqoma mangapi e gewele invutuluka na? Ba ti, isikombisa. Mat. 15. 37. isa. 8. 8.

21 Wa ti kubo, A ni qondi ngani na? isa. 6. 52.

22 Wa fika eBetsaida, ba leta kuye umuntu o inpumpute, ba m ncenga ukuba a m namate.

23 Wa i pata impumpute ngesandhla, wa i holela ngapandhle komuzi; wa fela amate emehleweni ayo, wa beka izandhla pezu kwayo, wa i buza ukuba i bona luto. isa. 7. 33.

24 Wa bheka, wa ti, Ngi bona abantu be hamba ku nga ti imiti.

25 Wa buya wa beka izandhla pezu kwamehlo ayo, wa i bhekisa: ya sindiswa, ya ba bonisisa bouke.

26 Wa i tumela endhlini yayo e ti, U nga ngeni emzini, u nga tyeli umuntu emzini. Mat. 8. 4. isa. 5. 43.

27 uJesu wa puma nabafundi bake, ba ya emizini ya seKesaria Filipu; be sendhleleni wa buza abafundi bake, e ti kubo, Abantu ba ti, ngi ngubani na? Mat. 16. 13-16. Luk. 9. 18-20.

28 Ba pendula ba ti, uJohane umbapazizi; abanye ba ti, uElija; abanye ba ti, Omunye kubaprofeti. Mat. 14. 2.

29 Wa ti kubo, Kodwa nina ni ti ngi ngubani na? uPetro wa pendula wa ti kuye, Wena u nguKristu.

John. 6. 69. & 11. 27.

30 Wa ba yala ukuba ba nga tyeli umuntu ngaye.

31 Wa qala ukubafundisa ngokuti, iNdodana yomuntu i za kuhlupeka kakulu, i delwe amalunga, nabapristi abakulu, nababali, i bulawe, i buye i vuke ngasemva kwezinsuku ezintatu.

Mat. 16. 21-23. & 17. 22. Luk. 9. 22-27.

32 Wa tyo lelizwi e pumesela. uPetro wa m tabata, wa qala ukumkuza.

33 Wa penduka, wa bona abafundi bake, wa m kuza uPetro, e ti, Suka Satani, a u naki okuka Tixo, u naka okwabantu.

34 Wa biza abantu nabafundi bake wa ti kubo, O tanda ukungilandela, a ka zidele a tabate isipambano sake, a ngi landele. Mat. 10. 38. Luk. 14. 27.

35 Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake, wo ku lahlekelwa; kodwa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami, neyevangeli, wo ku sindisa.

John. 12. 25.

36 Ku ya kumsizani umuntu, uma e zuzwa izwe lonke, a lahlekelwe umpufumelo wake na?

37 Umuntu a nga hlenga ngani umpufumlo wake na?

38 Lowo o nezinhloni ngami, na ngamazwi ami ku lesisizukulwane esipingayo nesonayo, iNdodana yomuntu i ya kuba nezinhloni ngaye lapo i za ngobukosi buka Yise kanye nezingelosi ezingewele. Mat. 10. 33. Luk. 12. 9.

## ISIAHLUKO 9.

**W**A ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Ba kona abanye abemiyo lapa, aba nga yi kuzwa ukufa, ba ze ba bone umbuso ka Tixo u za ngamandhla.

Mat. 16. 23. Luk. 9. 27. Mat. 24. 30. & 25. 31. Luk. 22. 18.

2 Emva kwezinsuku ezi isitupa, uJesu wa tabata uPetro, noJakobe, noJohane, wa ba kupulela entabeni ende be bodwa; wa penduka esinye isimo pambi kwabo.

Mat. 17. 1-8. Luk. 9. 28-36.

3 Izingubo zake za kazimula, za ba mhlope kakulu njengongqogqwane; ku nge ko emhlabeni umhlanzi o nga zenza zi be mhlope kangaka. Dan. 7. 9. Mat. 28. 3.

4 Kwa bonakala kubo uElija noMosi, be kuluma noJesu.

5 uPetro wa pendula wa ti kuJesu, Mfundisi, kuhle ukuba si lapa: a sake amadokodo amatatu; elinye li be elako, nelinye li be elika Mosi, nelinye li be elika Elija.

6 Wa e ngazi a nga ku tyoyo; ngoku-ba besaba kakulu.

7 Kwa fika ifu la ba sitibeza; izwi la vela efwini la ti, Lo u iNdodana yami etandiweyo, i zweni?

8 Kwa ti masinya be qalaza, a ba be ba sa bona muntu, kupela uJesu e nabo.

9 Be sehla entabeni, wa ba yala ukuba ba nga tyeli muntu izinto aba zi bonileyo, i ze i vuke kwabafileyo iNdodana yomuntu. Mat. 17. 9-13.

10 Ba zigeinela lelizwi ba buzisana ukuba ku tini ukuvuka kwabafileyo.

11 Ba m buza ba ti, Ababali ba tyoloni ukuti, Ko za ku fike uElija kuqala na? Mal. 4. 5.

12 Wa pendula wa ti kubo, uElija u yeza kuqala impela, a hlele konke; ku lotyiwe kanjani ngeNdodana yomuntu ukuti, i ya kuhlupeka kakulu, i delwe? Izihl. 22. 6. Isai. 53. 2. Dan. 9. 26.

Luk. 23. 11. Fil. 2. 7.

13 Kodwa ngi ti kini, uElija se e fikile, benzile kuye aba ku tandayo, njengokulotyweyo ngaye. Mat. 11. 14. Luk. 1. 17.

14 Wa fika kubafundi, wa bona abantu abaningi be nabo, nababali be buzana nabo. Mat. 17. 14-21. Luk. 9. 37-42.

15 Se be m bonile ba mangala kakulu abantu bonke, beza ngokugijima, ba m bingelela.

16 Wa ba buza ababali e ti, Ni buzana nabo ngani na?

17 Omunye kubantu wa pendula wa ti, Mfundisi, ngi lete indodana yami kuwe, i nomoya o isimungulu;

18 Lapa u m bamba kona u m apula, a kihlize amagwebu, a gedhle amazinyo, a zae; ngi tyilo kubafundi bako ukuba ba m kipe; bahluleka.

19 Wa ba pendula wa ti Au, sizukulwane esingakolwayo, ngo ba nani ku ze ku be nini na? ko za ku be nini ngi ni bekezelela na? M leteni kimi.

20 Ba m zisa kuye; e se m bona umoya wa m hlukumeza, wa puma kuye; wa wa pansi, wa bukuzeka, e kihliza amagwebu. isa. 1. 26. Luk. 9. 42.

21 Wa buza kuyise wa ti, Isikati se si ngakanani iloku kwa m fikela na? Wa ti, Iloku wa be se umntwana.

22 U m ponsile kaningi emlilweni, na semanzini ukuba u m bubise; kodwa uma ku kona o nga kwezayo, si haukele, a si size.

23 uJesu wa ti kuye, Uma u kolwa, konke ku ngenzeka kokolwayo.

isa. 11. 23. Luk. 17. 6. John. 11. 40.

24 Wa se e kala uyise womntwana ngezinyembezi, wa ti, Nkosi, ngi ya kolwa, siza ukungakolwa kwami.

25 uJesu e bona abantu be gijima, be butana, wa kuza umoya omubi, wa ti kuye, Wena moya o isimungulu nesitulu, ngi ya ku yala, puma kuye, u nga be u sa buya u ngene kuye.

26 Wa kala wa m hlukumeza kakulu, wa puma kuye, wa ba njengofileyo, ba ti abaningi, Se e file.

27 Kodwa uJesu wa m bamba ngesandhla, wa m vusa, wesuka wena.

28 Se e fikile endhlini, abafundi bake ba m buza, be bodwa, be ti, Tina be si nge m kipe ngani na?

29 Wa ti kubo, Loluhlobo lu nge pume ngaluto, kupela ngokukuleka na ngokuzila ukudhla.

30 Bemuka lapo, ba dabula eGalile; wa e nga tandi ukuba kwaziwe umuntu.

31 Wa ba fundisa abafundi bake, wa ti kubo iNdodana yomuntu i ya kunike-lwa ezandhleni zabantu, ba ya kuibulala; se i bulewe, i ya kubuya i vuke ngosuku lwesitatu. Mat. 17. 22. Luk. 9. 44.

32 Kodwa a bezwisanga lokukutyo, besaba ukumbuza.

33 Weza eKapernaume. E sendhlini wa ba buza wa ti, Be ni pikisana ngantoni endhleleni na? Mat. 18. 1.

Luk. 9. 46. & 22. 24.

34 Kodwa ba tula; ba be pikisene endhleleni ukuba ubani omkulu.

35 Wa hlala pansi, wa ba biza aba ishumi nambili, wa ti kubo, Uma umuntu e tanda ukuba owokuqala, a be owokupela kubo bonke, nenceku yabo bonke.

Mat. 20. 26. isa. 10. 43.

36 Wa tabata umntwana, wa m misa pakati kwabo wa m gona, wa ti kubo,

Mat. 18. 2. isa. 10. 16.

37 Owamkela a be munye kubantwana abanje ngegama lami, wamkela mina; naye o wamkela mina, a kamkeli mina, wamkela o ngi tumileyo. Mat. 10. 40.

Luk. 9. 48.

38 uJohane wa m pendula wa ti, Mfundisi, Sa bona umuntu e kipa amademe ngegama lako, e nga si landeli; sa m nqabela ngokuba e nga si landeli.

Imib. 11. 28. Luk. 9. 49.

39 Kodwa uJesu wa ti, Ni nga m nqabeli, a ku ko umuntu owenza umsebenzi omkulu ngegama lami, o nga suka masinya, a kulume kabi ngami. 1 Kor. 12. 3.

40 Lowo o ngaluni nati, u mi nati.

Mat. 12. 30.

41 O ni puzisa isitya samanzi ngegama lami, ngokuba ni ngabaka Kristu, ngi qinisile ngi ti kini, a ka yi kulahlkelwa unvuzo wake. Mat. 10. 42.

42 Kodwa o kubekisa omunye ku laba abancinyane aba kolwa imi, ku m lungelwe yena ukuba itye lokusila li botyelwe entanyeni yake, a ponswe elwandle. Mat. 18. 6. Luk. 17. 1.

43 Uma isandhla sako si ku kubekisa, si nqume; kuhle kuwe ukungena ekupileni, u limele, ku nokuba u nezandhla ezimbili, u ye egehena; emlilweni ongacimekiyo: Mat. 5. 30. & 18. 8.

44 [Lapo impetu yabo si nga fi, nomlilo u nga cimi.] Isai. 66. 24.

45 Noma unyawo lwako lu ku kubekisa, lu nqume; kuhle kuwe ukungena ekupileni, u isilima, ku nokuba u nezinyawo ezimbili, u ponswe egehena, emlilweni ongacimekiyo;

46 [Lapo impetu yabo si nga fi, nomlilo u nga cimi.]

47 Noma iso lako li ku kubekisa, li kipe; kuhle kuwe ukungena embusweni ka Tixo, u neso li linye, ku nokuba u namehlo amabili, u ponswe egehena lomlilo;

48 Lapo impetu yabo si nga fi, nomlilo u nga cimi.

49 Bonke ba ya kuzwakaliswa ngomlilo, neminikelo yonke i ya kuzwakaliswa ngosaoti. Levi 2. 13. Hez. 43. 24.

50 Usaoti u lungile, kepa uma usaoti e dumele, ni ya kumyolisa ngani na? Ma ni be nosaoti pakati kwenu, ni hlanisane kahle. Mat. 5. 13. Luk. 14. 34.

Ef. 4. 29. Kol. 4. 6. Rome 12. 18.

### ISAHLUKO 10.

**W**ESUKA lapo, weza ezweni la seJudia, e dabula izwe ngapesheya kweJordani; abantu ba buya ba butana kuye, wa pinda wa ba fundisa njengokwenza kwake. Mat. 19. 1-9.

2 Kweza kuye abafarisi, ba m buza ukuba ku vuyelwe umuntu ukulahlahlumkake, be m linga.

3 Wa pendula wa ti kubo, Umosi wa ni yala ngokutini na?

4 Ba ti, Umosi u be vuma ukuba a lo-be inewadi yokwahlukanisa, a m lahle.

Dut. 24. 1. Mat. 5. 31.

5 uJesu wa pendula wa ti kubo, ngenhliziyo zenu ezilukuni wa ni lobela lomteto:

6 Kodwa ekuqaleni kokudabuka uTixo wa benza isilisa nesifazana.

Gen. 1. 27. & 5. 2.

7 Ku nga loku umuntu u ya kushiya uyise nonina, a bambelele kumkake.

Gen. 2. 24.

8 Labo babili ba ya kuba inyamanye: njalo a ba se babili, ba inyamanye.

9 Loko uTixo a ku hlanganisileyo, ma ku ngahlukaniswa umuntu.

10 Be sendhlini abafundi bake ba buza ba m buza ngaloko.

11 Wa ti kubo, Lowo o lahla umkake, a ganwe omunye u necala lokupinga kuye. Mat. 5. 32. Luk. 16. 18. 1 Kor. 7. 13.

12 Nomfazi uma e lahla umyeni wake, a gane omunye, u ya pinga.

13 Ba leta abantwana kuye, ukuba a ba pate; abafundi ba ba kuza ababale-tayo. Mat. 19. 13-15. Luk. 18. 15-17.

14 Kodwa uJesu e bona loko, wa cunukala, wa ti kubo, Vumelani abantwana beze kimi, ni nga ba nqabeli, ngokuba umbuso ka Tixo u ngowabanjalo.

15 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ngamkeli umbuso ka Tixo njengomntwana, a nge ngene kuwo. Mat. 18. 3.

16 Wa ba gona, wa beka izandhla pezu kwabo, wa ba kulekela.

17 Se e pumele endhlehleni, kwa fika umuntu, e gijima, wa guqa kuye, wa m buza e ti, Mfundisi olungileyo, ngi ya kwenzani ukuba ngi dhle ifa lokupila okupakade na? Mat. 19. 16-30.

Luk. 18. 18-30.

18 uJesu wa ti kuye, U ngi bizelani u ti ngi lungile na? A ku ko olungileyo, munye kupela, uTixo.

19 U ya yazi imiyalo, U nga pingi; U nga bulali; U ngebi; U nga qiniseli amanga; U ngamuki umuntu uto; Dumisa uyihlo nonyoko. Eks. 20.

20 Wa pendula wa ti kuye, Mfundisi, loku konke ngi ku gcinile kwa sebutyeni bami.

21 uJesu e m bheka, wa m tanda, wa ti kuye, U swele into inye; hamba u tenge ngako o nako, u pe abampofu; u ya kuba nemfuyo ezulwini; u ze u tabate isipambano, u ngi landele.

Mat. 6. 19, 20. Luk. 12. 33.

22 Wa nyukumala nga lokokutyo, we-muka e dabukile, ngokuba wa e nemfuyo eningi.

23 uJesu wa qalaza, wa ti kubafundi bake, Yeka ka lukuni kwaba nemfuyo ukungena embusweni ka Tixo.

24 Abafundi ba mangala ngamazwi ake. uJesu wa buya wa pendula, wa ti kubo, Yeka, bantwana, ku lukuni kwa-

betemba imfuyo ukungena embusweni ka Tixo. Jobe 31. 24. Izihl. 52. 7. & 1 Tim. 6. 17.

25 Ku lula ukuba ikameli li ngene entunjani yosungulo, ku nokuba ofuyileyo a ngene embusweni ka Tixo.

26 Ba mangala kakulu, ba kuluma, be ti, Ubani o nga sindiswa na?

27 uJesu e ba bheka, wa ti, Kubantu ku ngenzeke; kodwa a ku njalo kuTixo; ngokuba kuTixo ku ngenzeka konke. Jer. 32. 17. Luk. 1. 37.

28 uPetro wesuka wa ti kuye, Bheka tina si shiye konke, si ku landele.

Mat. 19. 27-30. Luk. 18. 28-30.

29 uJesu wa pendula wa ti, Ngi qinile ngi ti kini, A ku ko umuntu o shiye indhlu, nabafo wabo, nodade wabo, noyise, nonina, nomfazi, nabantwana, namazwe, ngenxa yami neyevangeli,

30 O nga yi kwamkeliswa ikulu ku lesi sikati, izindhlu, nabafo wabo, nodade wabo, nonina, nabantwana, namazwe, kanye nezinhlupeko, na sezweni elizayo ukupila okupakade.

31 Kepa abaningi abokuqala bo ba abokupela, nabokupela bo ba abokuqala.

Mat. 20. 16. Luk. 13. 30.

32 Ba be sendhleleni, be kupukela eJerusalem; uJesu wa hamba pambi kwabo; ba mangala, ba m landela, besaba. Wa buya wa tabata aba ishumi nambili, wa qala ukubatyela oku za kumehlela.

Mat. 20. 17. Luk. 18. 31.

33 Wa ti, Bhekani, si kupukela eJerusalem, iNdodana yomuntu i ya kunikelwa kubapristi abakulu nababali, ba ya kulahla ukuba i fe, ba i nikele kwa-bezizwe.

34 Ba i hleke, ba i tyaye, ba i fele ngamate, ba i bulale; kepa ngosuku lwesitatu yo buya, i vuke.

35 Kwa fika kuye uJakobe noJohane, amadodana ka Zebedi, ba ti, Mfundisi, si ya tanda ukuba u senzele loko esi ya kucele. Mat. 20. 20-28.

36 Wa ti kubo, Ni tanda ngi nenzeleni na?

37 Ba ti kuye, Si pe ukuba si hlale, omunye ngakwesokunene sako, omunye ngakwesokohlo sako ebukosini bako.

38 uJesu wa ti kubo, A ni kwazi eni ku celayo. Ni nga puza isitya engi si puzayo na? ni nga bapatizwa ngokubapatizwa e ngi bapatizwa ngako na?

39 Ba ti kuye, si ngenza. uJesu wa ti kubo, Nembala ni ya kupuza isitya engi si puzayo, ni bapatizwe ngokubapatizwa engi bapatizwa ngako;

40 Kepa ukuhlala ngakwesokunene sami, na ngakwesokohlo, a siko okwami ukupa; ba ya kupiwa aba ku lungiselweyo.

41 Be ku zwa loko aba ishumi, ba qala ukucunuka ngoJakobe noJohane.

42 Kepa uJesu wa ba biza, wa ti kubo, Ni yazi ukuba amakosi ezizwe a ya zi busa, nabakulu bazo ba namandhla pezu kwazo. Luk. 22. 25.

43 A ku yi kuba njalo pakati kwenu; kodwa o tanda ukuba mkulu pakati kwenu, ka be isikonzi senu. isa. 9. 35.

Luk. 9. 48.

44 Notanda ukuba owokuqala kini, ka be ineeku yabo bonke.

45 iNdodana yomuntu a i zanga ukukonzwa, kodwa yeza ukukonza, nokunika ukupila kwayo, ku be isihlalo sabaningi. John. 13. 14. Fil. 2. 7.

46 Ba fika eJeriko; se e puma eJeriko nabafundi bake, nabantu abaningi, uBartimeo impumpute, indodana ka Timeo, wa e hlezi nga sendhleleni e cela. Mat. 20. 29-34. Luk. 18. 35-43.

47 E sezwa ku tiwa uJesu wa seNazareta, wa qala ukumemeza nokuti, Jesu, Ndodana ka Davida, ngi haukele.

48 Ba m kuza abaningi ukuba a tule; kona wa memeza kakulu, e ti, Ndodana ka Davida ngi haukele.

49 Wema uJesu, wa ti, ma ka bizwe. Ba i biza impumpute, ba ti kuyo Yima isibindi, u suke, u ya kubiza.

50 Wa beka ingubo yake, wesuka weza kuJesu.

51 uJesu wa pendula wa ti kuyo, U tanda ukuba ngi kwenzeleni na? Ya ti impumpute kuye Nkosi, ngi tanda ukuba ngi bone.

52 uJesu wa ti kuyo, Hamba, u sindiswe ukukolwa kwako. Ya se i bona, ya m landela uJesu endhleleni.

Mat. 9. 22. isa. 5. 34.

## ISAHLUKO 11.

**L**APO be sondela eJerusalem, eBetl fage neBetani, nga sentabeni yemihlwati, wa tuma ababili kubafundi bake. Mat. 21. 1-11. Luk. 19. 29-38. John. 12. 14.

2 Wa ti kubo, Hambani ni ye emzameni o bhekene nani; se ni ngene kuwo ni ya kufumana itole lembongolo li botyiwe, oku nga zanga ku hlale kulo umuntu; li tukululeni, ni li lete.

3 Uma umuntu e ti kini, Nenzeleni loku? ni ti, Inkosi i ya li funa; kona u za kulitumela lapa.



4 Ba ya, ba fumana itole lembongolo li botyiwe nga sesangweni ngapandhle, endhleleni; ba li tukulula.

5 Abanye kwabemi lapo ba ti kubo, Nenzani, ni tukulula itole na?

6 Ba tyo kubo njengokutyo kuka Jesu; ba ya yeka.

7 Ba leta itole kuJesu, ba beka izingubo zabo pezu kwalo; wa hlala pezu kwalo.

8 Abanengi bendhala izingubo zabo endhleleni; abanye ba gaula amahlamvu emiti, ba wendhlala endhleleni.

9 Aba be hamba pambili, naba be landela, ba memeza, be ti, Hozana, u ya bongwa ozayo ngegama leNkosi.

Izihl. 118. 26.

10 A ku bongwe umbuso ka Davida, ubaba wetu ozayo ngegama leNkosi; Hozana kwelipezulu.

Izihl. 148. 1.

11 uJesu wa ngena eJerusalema na setempelini; se e qalaze izinto zonke, se ku hlwile, wa puma wa ya eBetani kanye naba ishumo nambili.

Mat. 21. 12.

12 Ngangomso ekupumeni kwabo eBetani wa lamba.

Mat. 21. 18, 19.

13 Wa bona umkiwane u kude u namaqabunga, wa ya e ti kumbe a nga fumana into kuwo; se e fikile kuwo a ka fumananga luto, amaqabunga kupele; kwa ku nga ka bi ko isikati samakiwane.

14 uJesu wa kuluma wa ti kuwo, A ku nga bi ku sa dhla umuntu izitelo zako na pakade. Abafundi bake bezwa.

15 Ba fika eJerusalema; uJesu wa ngena etempelini, wa qala ukukipa abatengiselana etempelini, wa gumbuqela amatebula abatyentyisa imali, nezihlalo zabatengisa ngamajuba.

Mat. 21. 12-17. Luk. 19. 45-47. John. 2. 14.

16 E nga vumi nokuba umuntu a dabule itempeli, e twele isitya.

17 Wa fundisa wa ti kubo, A ku lotyiwe ini ukuti, Indhlu yami i ya kutiwa indhlu yokukuleka ezizweni zonke; kodwa nina ni yenze umhune wabapangi.

Isai. 56. 7. Jer. 7. 11.

18 Ababali nabapristi abakulu bezwa, ba funa ukuba ba nga m bulala kanjani; ngokuba ba m esaba, loku abantu bonke ba mangala ngokufundisa kwake.

Mat. 21. 45, 46. Mat. 7. 28.

19 Se ku hlwile wa puma emzini.

20 Kusasa be sa dhlula, ba bona umkiwane womile na sezimpendeni.

Mat. 21. 19-22.

21 uPetro e kumbula wa ti kuye,

Nkosi, bheka, umkiwane o u tukileyo u bunile.

22 uJesu wa pendula wa ti kubo, Kolwani uTixo.

23 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ya kuti ku lentaba, Suka, u ponseke elwandhle, e nga ngabazi enhliziyweni yake, kodwa e kolwa ukuba ku ya kwenzeka loku a ku tyoyo, u ya kuba nako a ku tyoyo.

Mat. 17. 20. Luk. 17. 6.

24 Ngaloku ngi ti kini, Konke eni ku celayo ngokukuleka, kolwani ukuba ni ya ku kwamkeliswa, kona ni ya kuba nako.

Mat. 7. 7. Luk. 11. 9. John. 14. 13.

Jak. 1. 5, 6.

25 Nxa ni mi ni kuleka, tetelelani, uma umuntu e necala kini, ukuba uYihlo o sezulwini a ni tetelele izono zenu.

Mat. 6. 14.

26 Kodwa uma ni nga teteleli, njalo uYihlo wenu o sezulwini a ka yi kunitetelele izono zenu.

Mat. 18. 35.

27 Ba buya ba fika eJerusalema; e sa hamba etempelini, kweza-kuye abapristi abakulu nabalini, namalunga,

Mat. 21. 23-27. Luk. 20. 1-8.

28 Ba ti kuye, Lezizinto u zenza ngamapi amandhla na? ubani o ku nike amandhla okwenza lezizinto na?

29 uJesu wa pendula wa ti kubo Nami ngi ya kunibuza into i benye, ni ngi pendule; kona ngi ya kunityela amandhla engenza ngawo lezizinto.

30 Ukubapatiza kuka Johane kwa vela ezulwini, nokuba kubantu na? Ngi penduleni.

31 Ba zindhlisana ba ti, Uma si ti, Ezulwini, u ya kuti, A ni kolwanga uye ngani na?

32 Kodwa uma si ti, Kubantu; besaba abantu; ngokuba bonke ba ti, uJohane wa e ngumprofeti impela.

33 Ba pendula ba ti kuJesu, A sazi. uJesu wa pendula wa ti kubo, Nami ngi yi kunityela amandhla engenza ngawo lezizinto.

## ISAHLUKO 12.

**W**A qala ukushumayela kubo ngemi-fanekiso, e ti, Umuntu wa tyala isivini, wa si biyela utango, wemba isikamo sevini, waka ixiba, wa si tyeleka abalimi, wemuka, wa ya kwelinye izwe.

Mat. 21. 33-46. Luk. 20. 9-19.

2 Ngesikati sezitelo wa tuma inceku kubalimi, ukuba i tabate izitelo zesivini kubalimi.

3 Ba i bamba, ba i tyaya, ba i mukisaze.

4 Wa buya wa tuma enye inceku kubo; na leyo ba i kanda ngamatye, ba i limaza ekanda, ba i mukisa i petwe kabi.

5 Wa buya wa tuma enye; na leyo ba i bulala; nezinye ba zi tyaya, ezinye ba zi bulala.

6 E se nendodana inye, e tandwa uye, wa i tuma nayo kubo ekugineni, e ti, Ba ya kuihlolipa indodana yami.

7 Kodwa labobalimi ba kuluma ba ti, Lo u indhlalifa, zaniini, si m bulale, ifa li be eletu.

8 Ba m bamba, ba m bulala, ba m kipla ngapandhle kwesivini.

9 I ya kwezani inkosi yesivini na? I ya kuza, i ba bulale abalimi, i nike abanye isivini.

10 A ni fundanga ini lesisibalo sokuti, Itye elilahliweyo abaki, ilona se li inhloko yegumbi? Izihl. 118. 22.

11 Loku kwenziwe iNkosi; ku isimaliso emehlweni etu?

12 Ba funa ukumbamba, kepa besaba abantu; bazi ukuba be e kulumile lomfanekiso ngabo. Ba m shiya bemuka. isa. 11. 18.

13 Ba tuma kuye abanye kubaFarisi na kwabaka Herodi, ukuba ba m bhaise ngokushumayela kwake.

Mat. 22. 15-22. Luk. 20. 20-47.

14 Se be fikile ba ti kuye, Mfundisi, si yazi ukuba u qinisile, a u naki umuntu, ka u bheki ubuso babantu; kodwa u fundisa indhlela ka Tixo ngeqiniso; ku fanele ukutela imali kuKesari, nokuba ukungateli na?

15 Si nike, nokuba si nga niki ini na? Kepa e kwazi ukuzenisa kwabo wa ti kubo, Ni ngi lingelani na? M leteni kimi udenario, ngi m bone.

16 Ba m leta, Wa ti kubo, U ngoka bani lomfanekiso nombalo na? Be ti kuye, Oka Kesari.

17 uJesu wa pendula wa ti kubo, Nikaani uKesari okuka Kesari, noTixo okukaTixo. Ba mangala ngaye.

18 Kwa fika kuye abaSadusi aba ti, A ku ko ukuvuka kwabafileyo; ba m buza, be ti, Mat. 22. 23-33. Luk. 20. 27-38. Inis. 23. 8.

19 Mfundisi, uMosi wa si lobela ukuti, Uma umuntu e fa, a shiye umkake, e nga shiyi abantwana, umfo wabo ma ka m tabate umkake, a vusele umfo wabo inzalo. Dut. 25. 5.

20 Kwa ku kona izelamani ezi isikombisa; owokuqala wa tabata umfazi, wa fa e nga shiyi inzalo.

21 Owesibili wa m tabata, wa fa naye, e nga shiyi inzalo nowesitatu wa ba njalo.

22 Ba m tabata aba isikombisa be nga shiyi inzalo; emva kwabo bonke wa fa nomfazi.

23 Ekuvukeni, lapo se be vukile, u ya kuba umfazi wa mupi kubo na? loku aba isikombisa ba be naye e ngumfazi wabo.

24 uJesu wa pendula wa ti kubo, A nedukile ini ngaloku, ni nga yazi imibalo pamandhla ka Tixo?

25 Ngokuba lapo se be vukile kwabafileyo, a ba ganwa, a bendiswa, kodwa ba njengezingelosi ezi sezulwini.

26 Ngokwabafileyo ukuti ba ya vuka, a ni fundanga ini enewadini ka Mosi ukuti, esihlahleni uTixo wa shumayela kuye, e ti, Ngi nguTixo ka Abrahamama, noTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe? Eks. 3. 6.

27 A siye uTixo wabafileyo, kepa uTixo wabapilayo; nedukile kakulu.

28 Kwa fika omunye kubabali, o be zwile be pikisana, wa bona ukuba u ba pendule kahle, wa m buza, wa ti, Umupi umyalo wekuqala kuyo yonke na? Mat. 22. 35-46.

29 uJesu wa m pendula, wa ti, Umyalo wokuqala kuyo yonke, u ti, Yizwa, Israeli, iNkosi uTixo wetu i iNkosi inye. Dut. 6. 4. Luk. 10. 27.

30 Wo tanda iNkosi uTixo wako ngenhliziyo yako yonke, na ngompefumlo wako wonke, na ngokuqonda kwako konke, na ngamandhla ako onke. Ilo umyalo wokuqala.

31 Nowesibili u fana nawo wokuti, Wo tanda owakelene nawe njengaloku u zitanda wena. A u ko umyalo omkulu ku na lowo. Levi 19. 18. Mat. 22. 39.

32 Umbali wa ti kuye, Yebo, Mfundisi, u tyilo iqiniso; u kona uTixo munye, a mu ko namunye ngapandhle kwake.

Dut. 4. 39.

33 Ukumtanda yena ngenhliziyo yonke, na ngokuqonda konke, na ngompefumlo wonke na ngamandhla onke, nokutanda owakelene naye njengokuzitanda yena, ku dhlula yonke imiukelo yokutya nemihlatyelo. 1 Sam. 15. 22.

34 uJesu, e m bona ukuba u pendule ngokuqonda, wa ti kuye, A u kude nombuso ka Tixo. A kwa be ku sa ba ko umuntu o nesibindi sokumbuza.

35 uJesu, e sa fundisa etempeleni, wa pendula wa ti, Ababali ba tyo kaunjani

ukuti, Ukristu u indodana ka Davida na? Mat. 22. 41-45. Luk. 20. 41-44.

36 Loku yena uDavida wa ti ngoMoya o ingewele, iNkosi ya ti eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami, ngi ze ngenze izita zako zi be isenabelo sako. Izihl. 110. 1.

37 Yena uDavida u m biza ngokuti iNkosi; u indodana yake kanjani na? Abantu abaningi ba mu zwa ngokujabula.

38 Wa ti kubo ekufundiseni kwake, Xwayani ababali, aba tauda ukuhamba be gqoke izingubo ezinde, ba tanda ukubingelelwa ezindaweni zokubutana, isa. 4. 2. Mat. 23. 1-7. Luk. 20. 46. & 11. 43.

39 Nezihlalo ezipambili ezindhlini zokusonta, nezihlalo ezi senhla ekudhlени; 40 Ba dhla izindhlu zabafelokazi, na ngokuzenzisa ba kuleka isikati eside; laba ba ya kwamkeliswa ukulahlwa okukulu. Mat. 23. 14.

41 uJesu e hlezi malungana neminikelelo, wa bheka abantu be tela imali eminikelweni; abaningi abacebileyo ba tela kakulu. Luk. 21. 1-4. 2 Ama. 12. 9.

42 Kwa fika umfelokazi ompofu wa tela imalana embili, okutiwa ifadingi.

43 Wa biza abafundi bake wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, lomfelokazi ompofu u telile kakulu ku nabo bonke aba telile eminikelweni. 2 Kor. 8. 12.

44 Ngokuba bonke laba ba telile ngobuningi babo, kodwa yena ngobumpofu bake u telile konke a nako, konke a pila ngako. Dut. 24. 6. 1 John. 3. 17.

ISAHLUKO 13.

**E**SA puma etempelini, omuuye kuba-fundi bake wa ti kuye, Mfundisi, bheka lamatye, na lokukwaka.

Mat. 24. 1-14. Luk. 21. 5-19.

2 uJesu wa pendula wa ti kuye, U ya bona lokukwaka okukulu na? A li yi kushiywa itye pezu kwetye eli nga yi kuwiswa pausi. Luk. 19. 44.

3 Se e hlezi entabeni yemihlwati pambini kwetempeli, oPetro, noJakobe, noJohane, noAndrea, ba m buza be bodwa, 4 Ba ti, Si tyele loku ko ba nini na? nesiboniso so ba ini, lapo ku za kupelela konke loku?

5 uJesu wa pendula, wa qala ukuti, Bhekani, ni ngedukiswa muntu; Jer. 29. 8. Ef. 5. 6.

6 Ngokuba abaningi ba ya kuza ngegama lami, be ti, Ngi nguKristu; ba ya kwedusa abaningi.

7 Nxa ni zwa ukulwa nodumo lokulwa, ni ngetuki; ku ya kuba kona loku, kepa ukupela a ku ka bi ko.

8 Isizwe si ya kuvukela isizwe, umbuso u ya kuvukela umbuso; ku ya kuba kona ukuzamazama komhlaba izindawo, ngezindawo ku be kona indhlala nezinhlupeko. Izizinto zi ukuqala kwezinsizi.

9 Xwayani nina, ngokuba ba ya kunikelwa emacaleni; ni ya kutyaywa ezindhlini zokusonta; ni ya kumiswa pambini kwababusi namakosi ngenxa yami, ku be ubufakazi kubo. Mat. 10. 17-19.

10 Ivangeli li ya kushunyayelwa kuqala ezizweni zonke.

11 Kodwa nxa be ni hola, ba ni nikele, ni nga kataleli pambili eni ya kukushumayela, ni nga zindhli; kodwa loko eni ya kunikwa nga lesosikati, ni ku shumayeleye; a si nina eni shumayelayo, kepa uMoya o ingewele. Luk. 12. 11.

Imis. 2. 4. & 4. 8, 31.

12 Umuntu u ya kunikela umfo wabo ekufeni, uyise u ya kunikela umntwana; abantwana ba ya kuvukela abazali babo, ba ba bulale.

13 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngegama lami; kodwa omiyo ku ze ku be sekupeleni wo sindiswa. Dan. 12. 12. Mat. 10. 22.

14 Nxa ni bona isinengiso sencitakalo, esa shunyayelwa uDanyeli umprofeti, si mi lapo ku nga fanele, (ofundayo a ke zwisise,) kona aba seJudia ma ba balekele ezintabeni. Mat. 24. 15-28. Dan. 9. 27. Luk. 21. 21-24.

15 O pezu kwendhlu a ngehli a ye endhlini, a nga ngeni ukutabata uto endhlini yake.

16 Na lowo o sendhle a nga buyeli emva ukutabata ingubo yake.

17 Au kwabakulelweyo, nabancelisayo nga lezozinsuku. Luk. 23. 29.

18 Nxusani ukuba ukubaleka kwenu ku nga bi ebusika.

19 Ngokuba ko ba kona nga lezozinsuku ukuhlupeka, oku ngezanga ku be kona okunjalo, iloku kwa dabuka izwe, ela datyulwa uTixo, ku ze ku be manje, noku nga sa yi kuba kona. Dan. 12. 1. Joeli 2. 2.

20 Uma iNkosi i nga neipisanga lezozinsuku, ku nge sindiswe umuntu; kepa ngabaketiweyo, e ba ketileyo, i zi neipisile lozozinsuku.

21 Uma umuntu e ti kini, Bhekani, Nangu uKristu, nokuti nanguya, ni nga kolwa. Luk. 17. 23.

22 Ngokuba ba ya kuvela oKristu bamanga, nabaprofeti bamanga, ba veze izibonakaliso nemimangaliso yokwedukisa nabaketiweyo, uma ku ngenzeka.

23 Qapelani; bhekani, se ngi ni tyelile konke ngapambili.

24 Kodwa nga lezozinsuku, emva kokuhlupeka, ilanga li ya kufipala, nenyannga a i yi kukanya.

Luk. 21. 25-38.

25 Nezinkanyezi zezulu zi ya kuwa, namandhla a sezulwini a ya kuzanyanzanyiswa.

26 Kona ba ya kubona iNdodana yomuntu i za ngamafu i namandhla amakulu nobukosi.

Mat. 16. 27. isa. 14. 62.

27 Kona i ya kutuma izingelosi zayo, i bute abaketiweyo bake, be vela emimoyeni emine, ku suka emkaulweni womhlaba ku ze ku fike emkaulweni wezulu.

28 Fundani umfanekiso womkiwane; uma igatya li sa tambile e hluma amaqabunga, ni yazi li seduze ihlobo.

Luk. 21. 29.

29 Njalo, nxa ni bona lezizinto zi fika, nazi ku seduze, ku semnyango.

30 Ngi qinisile ngi ti kini, Lesisizukulwane a si yi kudhlula, ku nga kenzeki loku konke.

31 Ku ya kudhlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami a ka yi kudhlula.

Isai. 40. 8.

32 Kepa lolosuku na lesosikati ka kwazi umuntu, qa, nezingelosi za sezulwini, neNdodana, uBaba kupela.

33 Bhekani, ni linde, ni kuleke, ngokuba ni nga sazi isikati ukuba si ya kubha nini.

Mat. 25. 13. Luk. 12. 40.

34 Ku njengomuntu owa hambela kwelinye izwe, wa shiya indhlu yake, wa zi nika izinceku zake amandhla, wa i nika ileyo umsebenzi wayo, wa yala umlindi womnyango ukuba a linde.

Mat. 24. 45. & 25. 14.

35 Lindani, ngokuba ni ngazi ukuba umninindhlu u ya kufika nini, noma kusihlwa, noma pakati kobusuku, noma ku sekukaleni kwequde, noma kusasa;

Mat. 24. 42, 44.

36 Funa a fike ni ngazelele, a ni fumane ni lele.

37 Loku engi ku tyo kinina, ngi ku tyo kubo bonke, Lindani.

#### ISAHLUKO 14.

**E**MVA kwezinsuku ezimbili kwa ba kona ipasika, nesinkwa esi uge na-

mvubelo : abapristi abakulu nababali ba funa ukuba benze njani ba m bambe ngecebo, ba m bulale.

Mat. 26. 2-5.

Luk. 22. 1. John. 11. 55. & 13. 1.

2 Kepa ba ti, Ku nga bi emhlanganweni, funa ku be kona ukuxokozela kwabantu.

3 E se kona eBetani, endhlini ka Simone ilepero, e se hlezi ekudhlini, kwa fika umfazi, e pete umfuma wanafuta, inardi lodwa, eli nenani elikulu, wa bulala umfuma wa tela amafuta awo ekan lake.

Mat. 26. 6. John. 12. 1-8.

Luk. 7. 37.

4 Kepa abanye ba cunuka, ba ti, Lawa amafuta a citelwani na?

5 Loku nga ku tengwe ngawo imali eningi ku nodenariyo abamakulu amatatu, kwa piwa abampofu. Ba m sola.

6 uJesu wa ti, M yekeni; ni m katazelani na? u sebenzile umsebenzi omuhle kimina.

7 Ni nabampofu ngesikati sonke, uma ni tanda ni nga ba pata kahle; kodwa a ni nami ngesikati sonke.

8 Wenzile a nga kwenzayo; u fike ngapambili ukugecoba umzimba wani, u mbelwe.

9 Ngi qinisile, ngi ti kini, Ezweni lonke lapo lelivangeli li za kushunyayelwa kona ku za kushunyayelwa naloku a kwenzileyo lomfazi, ku be isikumbuzo ngaye.

10 uJuda uIskartote, omunye kwaba ishumi nambili, wa ya kubapristi abakulu, ukuba a m nikele kubo.

Mat. 26. 14-16. Luk. 22. 3-6.

11 Be zwa ba jabula, ba m etembisa, ba ti ba za kumnika imali. Wa funa isikati esihle a nga m nikela ngaso.

12 Ngosuku lokuqala lwesinkwa esi nge namvubelo, lapo kwa hlatywa ipasika, abafundi bake ba ti kuye, U tanda ukuba si ye si lungiselepi, ukuze u dhle ipasika na?

Mat. 26. 17-19. Luk. 22. 7-13.

13 Wa tuma ababili kubafundi bake, wa ti kubo, Hambani ni ye emzini, ni ya kuhlanguana nomuntu e pete isitya samanzi; m landeleni.

14 Lapa e ngena kona, ni ti kumninindhlu, Umfundisi u ti, Ipi indhlu lapa ngi nga dhla kona ipasika nabafundi bami?

15 U ya kunibonisa indhlu enkulu, e pezulu, endhlelwe, i lungile; ni si lungisele kona.

16 Abafundi bake bemuka ba fika

emzini, ba fumana njengokutyo kwake kubo; ba lungisa ipasika.

17 Kusihlwa wa fika naba ishumi nambili. Mat. 26. 20-24.

18 Se be hlezi be dhla, uJesu wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, Omunye kini u ya kunginikela.

19 Ba qala ukudabuka, ba ti kuye ngabanye, Imina na? nomunye, Imina na?

20 Wa pendula wa ti kubo, Omunye kwaba ishumi nambili o ka kanye nami esityeni.

21 Nembala, iNdodana yomuntu i ya ya njengokulotywayo ngayo; kodwa nako ku lomuntu, iNdodana yomuntu e nikelwa uye! nga ku kuhle ku lomuntu uma e nga zalwanga. Luk. 22. 22.

22 Be sa dhla, uJesu wa tabata isinkwa, wa bonga, wa si hlepula, wa ba nika, wa ti, Tabatani, ni dhle; loku ku umzimba wami. Mat. 26 26-29. Luk. 22. 19, 20. 1 Kor. 11. 23-25.

23 Wa tabata nesitya, wa bonga, wa ba nika; ba puza kuso bonke.

24 Wa ti kubo, Loku ku igazi lami le-sivumelwano esitya, eli palazelwa abaningi.

25 Ngi qinisile ngi ti kini, A ngi sa yi kupuza isitelo sevini, ku ze ku fika lolosuku, engi za kusipuza ngalo, si sitya embusweni ka Tixo.

26 Se be vumile igama, ba puma ba ya entabeni yemihlwati. Mat. 26. 30-35.

27 uJesu wa ti kubo, Nina nonke ni ya kucunuka ngami nga lobubusuku; loku ku lotyiwe okuti, Ngi ya kutyaya umalusi, izimvu zi ya kuhlakazeka.

Zek. 13. 7.

28 Kepa ngasemva kokuvuka kwami, ngi ya kuhamba ngapambili kwenu, ngi ye eGalile. isa. 16. 7.

29 uPetro wa ti kuye, Nokuba bonke be eunuka, a ngi yi kucunuka mina.

Luk. 22. 33, 34. John. 13. 37, 38.

30 uJesu wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, Nambla uje, nga lobubusuku, li nga ka kali kabili iqude, wo ngi pika katatu.

31 Wa qinisa wa ti, Nokuba ngi fa nawe, a ngi yi kukupika. Ba tyo njalo bonke.

32 Ba fika endaweni e tiwa iGetsemane; wa ti kubafundi bake, Hlalani lapa ngi ye kukuleka. Mat. 26. 36-46.

Luk. 22. 39-46. John. 18. 1.

33 Wa tabata uPetro, noJakobe, noJohane, wa qala ukudabuka nokuba nomunyu.

34 Wa ti kubo, Umpefumlo wami u dabukile kakulu ku ze ku be sekufeni; hlalani lapa, ni linde. John. 12. 27.

35 Wa qubeka incozana, wa wa pansu, wa kuleka ukuba ku dhlule kuye lesosikati, uma ku ngenzeka.

36 Wa ti, Abba Baba, konke ku ngenzeka kuwe; a ku suse lesisitya kimi; kepa a ku nga bi ngokutanda kwami a ku be ngokwako. Rome 8. 15. Gal. 4. 6.

John. 5. 30. & 6. 38.

37 Weza wa ba fumana be lele, wa ti kuPetro, Simone, u lele na? u be u nge linde ihora li be linye na?

38 Lindani ni kuleke, ukuba ni nga ngeni ekulingweni; umoya u ya vuma, kodwa inyama i butakataka.

39 Wa buya wemuka wa kuleka, e shumayela lawamazwi.

40 Se e buyile wa ba fumana be lele futi; ngokuba amehlo, abo a e nzima, ba be nge nakumpendula.

41 Weza ngokwesitatu, wa ti kubo, Ni sa lele, ni punula na? kwanele, isikati si fikile, bhekani, iNdodana yomuntu; i nikelwa ezandhleni zezoni.

John. 13. 1.

42 Sukani, si hambe; nangu o ngi nikelayo e sondele.

43 Kona masinyane, e sa shumayela, kwa fika uJuda, omunye kwaba ishumi nambili, e nabantu abiningi, be pete izinkemba nezinduku, be vela kuba-pristi abakulu, nababali, namalunga.

Mat. 26. 47-56. Luk. 22. 47-53.

John. 18. 3-11.

44 O m nikelayo wa e ba nike isiboniso sokuti, Uyena engi ya kumanga; m bambeni, ni hambe naye, ni m qinisile.

45 Se e fikile, wa ya kuye masinyane, wa ti, Rabi, Rabi; wa manga.

46 Ba beka izandhla pezu kwake, ba m bamba.

47 Omunye kwabemiyo wa kipa inke-mba, wa galela incekulo yompristi omkulu, wa nquma indhlebe yayo.

48 uJesu wa pendula wa ti kubo, Ni pume nezinkemba nezinduku ukungibamba, ngokungati ngi umpangi.

49 Be ngi nani imihla yonke etempeleni, ngi fundisa, a ni ngi bambanga; kepa nga ku gowaliseka imibalo. Luk. 24. 44.

50 Ba m shiya bonke, ba baleka.

51 Kepa enye insizwa ya m landela, yembete ingubo emzimbeni; za i bamba izinsizwa.

52 Ya i shiya ingubo, ya balekaze ye muka.

53 Ba m yisa uJesu kumpristi omkulu ; ba butana kuye abapristi bonke abakulu, namalunga, nababali. Mat. 26. 57-68. Luk. 22. 54. John. 18. 13.

54 uPetro wa m landela e kude, wa za wa fika esigodhlweni sompristi omkulu ; wa hlala nezinceku, ota emlilweni.

55 Abapristi abakulu nompakati wonke ba funa ubufakazi ngoJesu, ukuba ba m bulale ; a ba bu fumanga.

56 Abaningi ba qinisa amaanga ngaye, kepa ukuqinisa kwabo a kwa hlangana.

57 Kwa suka abanye ba m qambela amanga, be ti,

58 Si m zwile e ti, Ngi ya kulicita lelitempeli elenziwa ngezandhla, ngi buye ngi lake elinye, eli ngenziwa ngezandhla, ngezinsuku ezintatu. isa. 15. 29. John. 2. 19.

59 Nokuba ku njalo ukuqinisa kwabo a kwa hlangana.

60 Wesuka umpristi omkulu wema pakati kwabo, wa buza uJesu ngokuti, A u penduli luto na ? laba ba qinisani ngawe na ?

61 Wa tula, e nga penduli luto. Umpristi omkulu wa buya, wa m buza, wa ti, U nguKristu, iNdodana yobongekayo na ? Isai. 53. 7.

62 uJesu wa ti, Ngi uye ; ni ya kubona iNdodana yomuntu i hlezi ngakwesokunene samandhla, i za ngamafu ezulu. Mat. 24. 30. Luk. 22. 69.

63 Kona umpristi onikulu wa hxebula izingubo zake, wa ti, Si sa funelani abanye ofakazi na ?

64 Se ni ku zwile lokukutuka. Ni tini na ? Ba m lahla bonke, ba ti, u fanele ukufa.

65 Abanye ba qala ukumfela ngamate, ba m gubuzela, ba m tyaya, ba ti kuye, profeta : izinceku za m mukula.

66 uPetro wa e sesigodhlweni ngapanansi, kwa fika intombazana yompristi omkulu. Mat. 26. 58. 69-75. Luk. 22. 55-62. John. 18. 16-18.

67 I m bona uPetro ota, ya m bheka, ya ti, Wena wa u naye uJesu wa seNazareta.

68 Kodwa wa pika, e ti, A ngazi ; a ngi ku zwisisi o ku tyoyo. Wa punela egumeni, la kala iqude.

69 Intombazana ya buya ya m bona ; ya qala ukuti kwabemiyo kona, Lo u ngowa kubo. John. 18. 25-27.

70 Wa buya wa pika. Ngasemva kwe-sikatyana, abemiyo kona ba buya ba ti kuPetro, Nembala u ngowa kubo ; u

ngowa seGalile, nokukuluma kwako ku fana nokwabo. Imis. 2. 7.

71 Kona wa qala ukutuka nokufunga, wa ti, A ngi m azi lomuntu eni kuluma ngaye.

72 Iqude la kala ngokwesibili. uPetro wa kumbula izwi uJesu a be li tyilo kuye, lokuti, Li nga ka kali kabili iqude, wo ngi pika katatu. Se e zindhle loko wa kala.

ISAHLUKO 15.

**K**USASA abapristi abakulu benza icebo namalunga, nababali, nompakati wonke, ba m bopa uJesu, bemukana naye, ba m nikela kuPilatu. Izihl. 2. 2. Mat. 27. 1. Luk. 22. 66. John. 18. 28.

2 uPilatu wa m buza, wa ti, U inkosi yabaJuda na ? Wa pendula wa ti kuye, U tyo wena. Mat. 27. 11, 14.

3 Abapristi abakulu ba m qambela amacala amaningi.

4 uPilatu wa buya wa m buza, wa ti, A u penduli luto na ? Bheka, ba qinsela ngawe okungaka.

5 Kodwa uJesu ka be sa pendula luto, wa mangala uPilatu. Isai. 53. 7. John. 19. 9.

6 Kwa ku ti emhlanganweni, wa e zingwe e ba kululela isibotywa si be siuye, aba si celayo. Mat. 27. 15-26. Luk. 23. 17-25. John. 18. 39.

7 Kwa ku kona umuntu o tiwa uBaraba, e botywe nabahlubuka naye, aba be bulele umuntu ekuhlubukeni.

8 Abantu ba memeza, ba qala ukucela ukuba a benzele njengaloku a benzile njalo.

9 uPilatu wa pendula wa ti, Ni tanda ukuba ngi ni kululele inkosi yabaJuda na ?

10 Wa e sazi ukuba abapristi abakulu ba be m nikele ngomona.

11 Kodwa abapristi abakulu ba ba vusa abantu ukuba a ba kululele uBaraba. Imis. 3. 14.

12 uPilatu wa buya wa pendula, wa ti kubo, Ni tanda ukuba ngenzeni kuye, eni ti, u inkosi yabaJuda na ?

13 Ba buya ba memeza, be ti, M betele.

14 uPilatu wa ti kubo, Wenzile okubi kuni na ? Ba memeza kakulu, ba ti, M betele.

15 uPilatu, e tanda ukukolisa abantu, wa ba kululela uBaraba ; wa m nikela uJesu, se e m tyayile, ukuba a betelwe.

John. 19. 1, 16.

16 Amabuto a m yisa endhlini e tiwa iPretorio, a butela ibuto lonke.

Mat. 27. 27-32.

17 A m ambatisa ingubo ebomvu, alu-ka umqele wameva a m twesa wona.

18 A qala ukumbingelela, e ti, Bayete, Nkosi yabaJuda.

19 A m tyaya ekanda ngohlanga, a m fela ngamate, a guqa ngamadolo, a kuleka kuye.

20 Se e m binqile, a m kumula ingubo ebomvu a m ambatisa izingubo zake, a muka naye ukuba a m betele.

21 A m cindezela uSimone wa seKurene, e dhlula, e vela endhile, uyise ka Aleksandro noRufu, ukuba a twale isipambano sake. Luk. 23. 26.

22 A m yisa endaweni e tiwa iGolgota, oku ngokuti ngokukumtywa, Indawo yenhloko. Mat. 27. 33-56. Luk. 23. 33. John. 19. 17.

23 A m nika iwaini li xubaniswe nemuri, ukuba a li puze; kodwa ka lamkelanga.

24 Se e m betele, ahlulelana izingubo zake, enzelana inkato ngazo yokuti, ilowo a nga tabatani. Izihl. 22. 18.

Luk. 23. 34. John. 19. 23.

25 Kwa ku ihora lesitatu, a m betela. John. 19. 14.

26 Kwa balwa inewadi yecala lake yokuti, INKOSI YABAJUDA.

Mat. 27. 37. Luk. 23. 35. John. 19. 19.

27 Kwa betelwa kanye naye abapangi ababili, omunye ngakwesokunene, nomunye ngakwesokholo sake.

28 Kwa gwaliseka umbalo o ti, Wa balwa nezoni. Isai. 53. 12. Luk. 22. 37.

29 Abadhhlulayo ba m tuka, ba nqa-kuza amakanda, be ti, E, wena o cita itempeli, u buye u lake ngezinsuku ezintatu.

30 Zisindise wena, wehla esipambanweni.

31 Ku njalo nabapristi abakulu ba m hleka kanye nababali, ba kuluma be ti, U ba sindisile abanye; a nge zisindise yena;

32 uKristu iNkosi ka Israeli a kehle kaloku esipambanweni, ukuba si bone, si kolwe. Naba betelwa kanye naye ba m tuka. Luk. 23. 39.

33 Se ku fike ihora lesitupa kwa ba mnyama ezweni lonke, kwa za kwa ba ihora lesishiyagalolunye. Luk. 23. 44-46.

34 Ngehora lesishiyagalolunye uJesu wa memeza ngezwi elikulu, e ti, Eloi, Eloi, lama sabaktani? okuti ngokuku-

mtywa, Tixo wami, Tixo wami, u ngi shiyeleni na? Izihl. 22. 1. Mat. 27. 46-51.

35 Abanye kwabemiyo kona, se be zwile, ba ti, Bheka, u biza uElija.

36 Kwesuka omunye wa gijima wa cwilisa ilula ewainini elimunyu, wa li faka ohlangeni, wa m puzisa, e ti, Yekani, a ke si bone uma uElija u ya kuza a m ehlise. Izihl. 69. 21. John. 19. 29.

37 uJesu wa memeza ngezwi elikulu, wa fa. John. 19. 30.

38 Iveli letempeli la dabuka kabili, la qala pezulu la za la fika pansi.

39 Induna yekulu, i mi ngapambi kwake, i m bona e kala kanjalo, wa fa, ya ti, Nembala, lomuntu wa e iNdodana ka Tixo. Mat. 27. 54. Luk. 23. 47.

40 Kwa ku kona abesifazana be mi kude, be buka; wa e kona nabo uMaria Magdalene, noMaria unina ka Jakobe omncinyane, noka Jose, noSalome.

Mat. 27. 55. Luk. 23. 49.

41 Labo, se e kona eGalile, ba m landela, ba m konza, nabanye abaningi aba be Xupuke naye ukuya eJerusalem. Luk. 8. 2, 3.

42 Se ku hlwile, loku kwa ku usuku lokulungisa, oku ukuti, usuku ngapambi kwesabata, Mat. 27. 57-61.

Luk. 23. 50-56. John. 19. 38-42.

43 Kweza uJosefa wa seArimatia, umpakati odumileyo, owa e bheke umbuso ka Tixo, wa ngena kuPilatu, e nesibindi, wa cela isidumbu sika Jesu.

Luk. 2. 25, 38.

44 uPilatu wa mangala ukuba u se file; se e bizile induna yekulu, wa buza ukuba se ku umzuzu e file.

45 Se e zwisise ngenduna yekulu, wa m nika uJosefa isidumbu.

46 Wa tenga indwangu enhle, wa sehlista, wa si songa nga leyondwangu, wa si beka etuneni eli qotywe etyeni, wa ginqela itye emnyango wetuna.

47 Umaria Magdalene, noMaria unina ka Jose, ba bona lapa wa bekwa kona.

#### ISAHLUKO 16.

SE ku dhlulile isabata, uMaria Magdalene, noMaria unina ka Jakobe noSalome, ba tenga amaka, ukuba beze, ba m gcobe. Mat. 23. 1-8. Luk. 24. 1-10.

John. 20. 1. Luk. 23. 56.

2 Ekuseni kakulu, ngosuku lokuqala lwesonto, ba fika etuneni ekupumeni kwelanga;

3 Ba kuluma ba ti, Ubani o ya kusiginqela itye, li suke emnyango wetuna na?

4 Se be bhlekile, ba bona itye se li g-ingqiwe; la li likulu kakulu.

5 Ba ngena etuneni, ba bona insizwa i hlezi ngakwesokunene, yembete ingubo ende emhlope; betuka. John. 20. 11, 12.

6 Ya ti kubo, Ni ngetuki; ni funa uJesu wa seNazareta, o be betelwe. U vukile; a muko lapa. Nansi indawo lapa be be m beke kona.

7 Kodwa hambani, ni tyele abafundi bake noPetro ukuti, u ya hamba pambili kwenu ukuya eGalile; ni ya kumbona kona, njengokutyo kwake kini.

Mat. 26. 32. isa. 14. 28.

8 Ba puma ba baleka etuneni; ba tumela, ba mangala a ba ze ba tyo luto kumuntu; ngokuba besaba.

9 uJesu, se e vukile kusasa ngosuku lokuqala lwesonto, wa bonakala kuqala kuMaria Magdalene; a be kipile kuye amademone a isikonbisa. John. 20. 14.

Luk. 8. 2.

10 Yena wa ya wa ba tyela labo aba be naye; be sa lila be kala. Luk. 24. 10.

John. 20. 13.

11 Se be zwile ukuba u kona, nokuba u bonwe uye, a ba ze ba kolwa.

Luk. 24. 11.

12 Emva kwaloku wa bonakala ngesinye isimo kwababili kubo, be sa hamba, be ya ezweni. Luk. 24. 13.

13 Ba ya nabo, ba tyela abanye a ba ze ba kolwa na labo.

14 Ngasemva wa bonakala kwaba

ishumi nanye, be hlezi ekudhleni, wa ba sola ngokungakolwa kwabo, nobulukuni benhliziyo, ngokuba be nga kolwanga ilabo aba be m bonile se e vukile.

Luk. 24. 36. John. 20. 19. 1 Kor. 15. 5.

15 Wa ti kubo, Hambani ni ye emhlabeni wouke, ni shumayeke ivangeli kubantu bonke. Mat. 23. 19. Kol. 1. 23.

16 Okolwayo a bapatzizwe, u ya kusindiswa; kodwa ongakolwayo u ya kulahlwa. John. 3. 18, 36. & 12. 48.

Imis. 2. 38. & 16. 30, 31, 32. Rome 10. 9.

1 Pet. 3. 21.

17 Lezi zibonakaliso zi ya kubalandela abakolwayo: ngegama lami ba ya kukipa amademone; ba shumayeke ngezilimi ezintya; Luk. 10. 17.

Imis. 5. 16. & 8. 7. & 16. 18. & 19. 12.

Imis. 2. 4. & 10. 46. & 19. 6.

18 Ba pate izinyoka; uma be puza into e bulalayo, ba nga bi nacala; ba beke izandhla pezu kwabagulayo, ba sinde.

Luk. 10. 19.

Imis. 28. 5. & 5. 15, 16. & 9. 17. & 23. 8.

Jak. 5. 14, 15.

19 Kwa ti iNkosi se i kulumile nabo, yankelwa ezulwini, ya hlala ngakwesokunene sika Tixo. Imis. 1. 3. Luk. 24. 51.

Izihl. 110. 1. Imis. 7. 55.

20 Besuka ba ya ba shumayela ezindaweni zonke, iNkosi i sebenza nabo, i qinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen. Imis. 5. 12. & 14. 3. 1 Kor. 2. 4, 5.

Iheb. 2. 4.

IVANGELI NGOKUBALA KUKA

L U K A.

ISAHLUKO 1.

**L**OKU abanengi ba lingile ukhlehla lenewadini lezozindaba ezi qinisekile pakati kwetu.

2 Njengaloku be si nikile labo ababonayo ngamhlo, naba be ngabakonzi bezwi kwa sekuqaleni, Mark. 1. 1.

John. 15. 27. Heb. 2. 3. 2 Pet. 1. 16.

1 John. 1. 1.

3 Be ngi ti kuhle, loku ngi hlolile kahle konke kwa sekuqaleni, ukuba ngi ku lobele ngokulandisana, Teofilo odumileyo, Imis. 15. 25, 28.

4 Ukuba u lazi iqiniso la lezizinto o zi fundisiwe. John. 20. 31.

5 Kwa ku kona emihleni ka Herodi, inkosi ya seJudia, umpristi otile, igama lake li nguZakaria, owesigaba sika Abia; umkake wa e ngowa sezintombini zika Aroni, igama lake li nguElisabeta. Mat. 2. 1. 1 Kron. 24. 10.

6 Ba be lungile bobabili ebusweni buka Tixo, be hamba ngeniyalo nemiteto yonke yeNkosi, be nge nacala.

Gen. 7. 1. & 17. 1. Jobe 1. 1.

Imis. 23. 1. & 24. 16.

7 Ba be nge namntwana, loku uElisabeta wa be inyumba; ba be badala bobabili.

8 Kwa ti e sekukonzeni pambi ku-



ka Tixo ngokulandelana kwesigaba sa kwabo, 1 Kron. 24. 19. 2 Kron. 8. 14. & 31. 2.

9 Ngomkuba wenkonzo wa dhliwa inkato ukuba a tyise impepo, e se ngene etempelini leNkosi. Eks. 30. 7, 8.

1 Sam. 2. 28. 1 Kron. 23. 13.

10 Abantu bonke ba be kuleka ngandhle ngesikati sempepo. Isam. 8. 3, 4.

11 Kwa bonakala kuye, ingelosi yeNkosi, i mi ngakwesokunene selati lempepo. Eks. 30. 1.

12 Wetuka uZakaria e i bona, wehlelwa ukwesaba. Abahl. 6. 22. & 13. 22.

Dan. 10. 8. isa. 2. 9. Imis. 10. 4.

13 Kepa ingelosi ya ti kuye, U ngesabi, Zakaria; ku zwiwe ukukuleka kwako; umkako uElisabeta wo ku zalela indodana; u ya kuqamba igama layo uJohane. isa. 1. 60, 63.

14 Wo ba nokujabula nokutokoza wena; abaningi ba ya kujabula ngokuzalwa kwake. isa. 1. 58.

15 U ya kuba mkulu pambi kweNkosi; a ka yi kupuza iwaini notywala; u ya kugwala uMoya o ingewele kwa sesiswini sika nina. Imib. 6. 3. Abahl. 13. 4. isa. 7. 33. Jer. 1. 5.

16 Abaningi kubantwana baka Israeli u ya kubaguqulela kuyo iNkosi uTixo wabo. Mal. 4. 6.

17 U ya kuhamba pambi kwake ngomoya namandhla ka Elija, ukuba a guqulele izinhliziyi zoyise kubantwana, nabangakolwayo ekuqondeni kwabalungileyo ukulungisela iNkosi abantu abalungileyo. Mat. 11. 14.

18 uZakaria wa ti eNkosini, Ngi nga kwazi loku ngani na? ngi mdala mina, nomkami u se neminyaka eminingi. Gen. 17. 17.

19 Ingelosi ya pendula ya ti kuye, Ngi nguGabireli omiyo pambi kuka Tixo; ngi tunyiwe ukuba ngi kulume kuwe, ngi ku shumayeze lezizindaba ezilungileyo. Dan. 8. 16. & 9. 21. Mat. 18. 10.

20 Bheka, wo ba isimungulu, u nga kulumi, ku ze ku fike usuku ezi ya kuqiniseka ngalo lezizinto, loku u nga kolwanga amazwi ami, a za kugwaliseka ngesikati sawo. Hez. 3. 26. & 24. 27.

21 Abantu ba m hlalela uZakaria, be mangala ngokulibala kwake etempelini.

22 Se e pumile wa e nge nakukuluma nabo; bazi ukuba wa e bonile isibonakaliso etempelini; wa ba qweba, e se isimungulu.

23 Kwa ti, se zi pelile izinsuku zoku-

konza kwake, wesuka wa ya endhlini yake. 2 Ama. 11. 5.

24 Emva kwa lezozinsuku wa kulelwa umkake uElisabeta, wa zifihla izinyanga ezi isihlanu, e ti,

25 I ngenzele njalo iNkosi, emihleni eya ngi bheka ngayo ukususa ihlazo lamihlabantwini. Gen. 30. 23.

26 Ngehangya yesitupa ingelosi uGabireli ya tunywa uTixo ukuya emzini wa seGalile o tiwa iNazareta,

27 Entombini e miselwe indoda, igama layo li nguJosefa, wendhlu ka Davida; igama lentombi li nguMaria. Mat. 1. 18. isa. 2. 4, 5.

28 Ingelosi ya ngena kuye ya ti, E! wena o nenhlanhla, iNkosi i nawe, u busisiwe esifazaneni. Abahl. 6. 12.

Dan. 9. 23. & 10. 19.

29 E se i bonile wetuka ngezwi layo, e zindhla ukuba ukubingelela kuni loku.

30 Ingelosi ya ti kuye, U ngesabi, Maria; u fumene umusa kuTixo.

31 Bheka, u za kukulelwa, u zale indodana, u qambe igama layo uJesu.

Isai. 7. 14. Mat. 1. 21. isa. 2. 21.

32 U ya kuba mkulu yena, a tiwe iNdodana yoPezu konke; iNkosi uTixo i ya kumnika isihlalo sobukosi sika Davida uyise; Mark 5. 7. 2 Sam. 7. 11, 12.

Izihl. 132. 11. Isai. 9. 6, 7. & 16. 5.

Jer. 23. 5. Isam. 3. 7.

33 U ya kubusa indhlu ka Jakobe ku ze ku be pakade; umbuso wake a u sa yi kupela. Dan. 2. 44. & 7. 14, 27. Mika 4. 7. John. 12. 34. Heb. 1. 8.

34 Wa ti uMaria engelosini, Loko ko ba kanjani, ngi nga yazi indoda na?

35 Ingelosi ya pendula ya ti kuye, Umoya o ingewele u ya kuza kuwe, amandhla oPezu konke a ku sibekele; njalo oku ingewele oku za kuzalwa uwe, ku ya kutiwa iNdodana ka Tixo.

Mat. 1. 20. & 14. 33.

36 Bheka, uElisabeta wa kwenu u kulelwe indodana, e se mdala; le inyanga yesitupa kuyena o tiwa inyumba.

37 A kahlulwa luto uTixo. Rome 4. 21.

38 Wa ti uMaria, Nansi incekakazi yeNkosi; a ku be kimi njengokutyo kwako. Ingelosi yemuka kuye.

39 Wesuka uMaria nga lezozinsuku, wa tyetya wa ya ezweni la senhla, emzini wa seJudia. Josh. 21. 11.

40 Wa ngena endhlini ka Zakaria, wa bingelela uElisabeta.

41 Kwa ti, uElisabeta e se zwa ukubingelela kuka Maria, wa xuma umntwa-

na esiswini sake; uElisabeta wa gewala uMoya o ingewele;

42 Wa memeza ngezwi elikulu, wa ti, U busisiwe wena esifazaneni, i busisiwe nenzalo yesisu sako. Abahl. 5. 24.

43 Ngehlelwa ngani iloku ukuba e ze kimi unina weNkosi yami?

44 Bheka izwi lokubingelela kwako se li zwakele ezindhleleni zami, umntwana wa xuma esiswini sami ngokujabula.

45 U busisiwe okolwayo ukuti, ku ya kwenzeka okwa shunyayelwa iNkosi kuye.

46 Wa ti uMaria, Umpefumlo wami u ya i dumisa iNkosi. 1 Sam. 2. 1-10.

Izihl. 34. 2, 3. & 35. 9. Hab. 3. 18.

47 Nomoya wami u tokoza ngoTixo uMsindisi wami.

48 U bhekile ubupansi bencekukazi yake; bheka, izizukulwane zonke zi ya kuti ngi busisiwe. 1 Sam. 1. 11.

Izihl. 138. 6. Mal. 3. 12. isa. 11. 27.

49 U ngenzele izinto ezinkulu uSoma ndhla; li ingewele igama lake.

Izihl. 71. 19. & 126. 2, 3. & 111. 9.

Gen. 17. 7. Eks. 20. 6. Izihl. 103. 17.

50 Umusa wake u kwabamesabayo ku ze ku be izizukulwane zezizukulwane.

51 Wenzile imisebenzi emikulu ngenqalo yake; u citile abazidhlayo ngokuzindhla kwezinhliziyu zabo.

Izihl. 98. 1. & 118. 15.

Isai. 40. 10. & 51. 9. & 52. 10.

Izihl. 33. 10. 1 Pet. 5. 5.

52 U wisile amakosi ezihlalweni zawo, u ba pakamisile abatobekileyo.

1 Sam. 2. 6-8.

53 Abalambileyo u ba sutisile ngokumnandi, abacebileyo u ba mukiseze.

1 Sam. 2. 5. Izihl. 34. 10.

54 U i sizile inceku yake uIsraeli ngokukumbula umusa. Izihl. 98. 3.

Jer. 31. 3, 20.

55 Njengokutyo kwake kobaba betu, kuAbrahama nenzalo yake ku ze ku be pakade. Gen. 17. 19. Izihl. 132. 11

Gal. 3. 16.

56 uMaria wa hlala naye ku nga ti izinyanga ezintatu wa buyela ekaya.

57 Kwa pela isikati sika Elisabeta sokuba a belete; wa beleta indodana.

58 Abakelene naye naba kubo bezwa ukuti iNkosi i menzele umusa omkulu; ba tokoza naye.

59 Kwa ti ngosuku lwesishiyagalombili beza kusoka umntwana, ba m qamba ngegama lika yise uZakaria.

Gen. 17. 12.

60 Kepa unina wa pendula wa ti, Ai, u za kutiwa uJohane.

61 Ba ti kuye, A ku ko umuntu wa kini o bizwa nga leligama.

62 Ba m qweba uyise uma u tanda ukuba a bizwe ngokutini.

63 Wa biza isitetyana sokuloba, wa loba ukuti, uJohane igama lake. Ba mangala bonke.

64 Kwa vuleka umlomo wake masinyane, lwa sombuluka ulimi lwake, wa shumayela e bonga uTixo.

65 Bonke abakelene nabo behlelwa ukwesaba; za duma lezindaba ezweni lonke la senhla la seJudia.

66 Bonke abezwayo ba zi gcina ezinhliziyweni zabo, be ti Nembala u za kuba umntwana muni lo na? Isandhla seNkosi sa si naye. isa. 2. 19, 51. Izihl. 80. 17.

Imis. 11. 21.

67 uZakaria uyise wa gewala Umoya o ingewele, wa shumayela, e ti, Joeli 2. 28.

68 Ma i bongwe iNkosi uTixo ka Israeli; i ba hambile abantu bayo, ya ba hlenga. 1 Ama. 1. 48.

Izihl. 41. 13. & 72. 18. & 106. 48. || Eks. 3. 16.

Izihl. 111. 9. isa. 7. 16.

69 Ya si misela upondo lokusindisa eundhlini ka Davida inceku yayo;

Izihl. 132. 17.

70 Njengokutyo kwayo ngomlomo wabaprofeti a bangewele bayo, iloku kwa dabuka izwe. Jer. 23. 5, 6. & 30. 9.

Imis. 3. 21. Rome 1. 2.

71 Ukusisindisa eziteni zetu, na sesandhlini sabo bonke aba si zondayo;

72 Ukuba i wenze umusa o wa tyiwoyo kobaba betu, i kumbule isivumelwano esingewele sayo: Levi 26. 42.

Izihl. 105. 8, 9. & 106. 45.

73 Isifungo eya si funga kuAbrahama ubaba wetu. Gen. 22. 16, 17.

74 Sokusipa ukuba si kululwe esandhlini sezita zetu, si i konze si nge nakwesaba,

75 Ngobungewele nokulunga pambi kwayo izinsuku zetu zonke. Ef. 4. 24. 2 Tes. 2. 13. 2 Tim. 1. 9. Titusi 2. 12.

1 Pet. 1. 15. 2 Pet. 1. 4.

76 Wena, umntwana, u ya kutiwa, u umprofeti woPezu konke; u ya kuhamba paubi kweNkosi ukulungisa izindhlela zayo;

Mal. 3. 1. & 4. 5. Mat. 11. 10.

77 Ukubazisa abantu bayo ukusindisa ngokutetelela izono zabo, Mark 1. 4. isa. 3. 3.

78 Ngomusa omkulu ka Tixo wetu

oku si hambe ngawo ukubeja kwa pezulu, Isai. 11. 1. Zek. 3. 3. Mal. 4. 2.

79 Ukukanyisa aba hlezi ebumnyameni na setunzini lokufa, ukuqondisa izinyawo zetu zi ye endhleleni yokutula.

Isai. 9. 2. & 42. 7. & 49. 9. Mat. 4. 16.

80 Wa kula umntwana, wa ba namandhla ngokomoya; wa e sehilane kwa za kwa fika usuku lokubonakaliswa kwake kubaIsraeli. isa. 2. 40.

Mat. 3. 1. & 11. 7.

### ISIAHLUKO 2.

**K**WA ti nga lezozinsuku kwa menyekzelwa uKesari Augustu, ukuba ku balwe izwe lonke.

2 Lokukubalwa okokuqala kwenziwa uKurenio e se induna ya seSiria.

Imis. 5. 37.

3 Ba ya bonke ukubalwa, ilowo wa ya emzini wa kubo.

4 Naye uJosefa wenyuka eGalile, e puma eNazareta, wa ya eJudia, emzini ka Davida, o tiwa iBethlehema, loku wa e ngowendhlu nenzalo ka Davida,

1 Sam. 16. 1, 4. John. 7. 42.

5 Ukuba a balwe kanye noMaria umkake a m miselweyo, e kulelwe.

6 Kwa ti be se kona, kwa pela izinsuku zokuba a belete.

7 Wa zibula ngendodana, wa i songa ngembeleko, wa i lalisa emkombeni wezincomo, ngokuba be nge nandawo endhlini yezihambi.

Mat. 1. 25.

8 Kwa ku kona ku lelozwe abalusi be hlezi endhle, be linda umhlambi wabo ebusuku.

9 Bheka, ingelosi yeNkosi yeza yema kubo, inkazimulo yeNkosi ya ba kanyisa; besaba nokwesaba.

isa. 1. 12.

10 Ya ti ingelosi kubo, Ni ngesabi; bhekani, ngi ya ni tyela izindaba zokutokoza okukulu oku za kuba kubantu bonke.

11 Ni zalelwe namhla, emzini ka Davida, umsindisi o nguKristu iNkosi.

Isai. 9. 6. Mat. 1. 16, 21. & 16. 16. isa. 1. 43.

Imis. 2. 36. & 10. 36.

12 Loku ku isibonakaliso kinina, ni ya kufumana umntwana e songiwe ngembeleko, e lele emkombeni wezinkomo.

13 Kwa ba kona masinyane nengelosi ibandhla elikulu la sezulwini, li m dumisa uTixo, li ti,

Gen. 28. 12. & 32. 1, 2.

Izihl. 103. 20, 21. Dan. 7. 10.

14 A ku be ubukosi kuTixo kwelipe-

zulu, nokutula emhlabeni, notando kubantu.

isa. 19. 38. Isam. 5. 13.

Isai. 57. 19. isa. 1. 79. Rome 5. 1. Ef. 2. 17.

Kol. 1. 20. || John. 3. 16. Ef. 2. 4, 7.

2 Tes. 2. 16.

15 Kwa ti, izingelosi se zi mukile kubo ukuya ezulwini, lababantu aba ngabalusi ba-kuluma, be ti, A si ye eBethlehema, si bone loku okwenzekileyo, esi ku tyelwe iNkosi.

16 Ba tyetya ba ya, ba fumanisa uMaria noJosefa, nengane i lele emkombeni wezinkomo.

17 Se be bonile, ba ya ba shumayela leyondaba, aba i tyelwe ngomntwana.

18 Bonke abezwayo ba mangala nga lezozinto aba zi tyelwe ngabalusi.

19 Kepa uMaria wa gcina lezozinto zonke, wa zi zindhla enhliziyweni yake.

Gen. 37. 11. isa. 1. 66.

20 Abalusi ba buya, be m dumisa uTixo, be m bonga ngako konke abakuzwileyo nabakubonileyo, njengokutyelwa kwabo.

21 Kwa ti se zi pelile izinsuku ezishiyagalombili zokuba a sokwe, kwa tiwa igama lake uJesu, ela qanjwa ingelosi, e nga ka kulelwa esiswini.

Gen. 17. 12.

isa. 1. 59. || Mat. 1. 21. isa. 1. 31.

22 Se zi pelile izinsuku zokuhlambululeka kwabo ngomteto ka Mosi, ba m yisa eJerusalema, ukuba ba m bekele eNkosini;

Levi 12. 2-6.

23 Njengokulotyawe emtetweni weNkosi ukuti, Bonke abesilisa bamazibulo, ba ya kutiwa abangewe beNkosi:

Eks. 13. 2.

24 Nokuba ba nikele umnikelo njengokutyiwo emtetweni weNkosi ukuti, Amahobe amabili, noma amavukutu amabili amatya.

Levi 12. 8.

25 Bheka, kwa ku kona umuntu eJerusalema, igama lake li nguSimeoni, e ngumuntu olungile, okolekayo, e bheka ukutokoza kwabaIsraeli; uMoya o ingewele wa e naye.

Isai. 40. 1.

Mark 15. 43.

26 Kwa bonakaliswa kuye nguMoya o ingewele ukuti, a ka yi kubona ukufa, e nga ka m boni uKristu iNkosi.

Izihl. 89. 48. Heb. 11. 5.

27 Wa ngeniswa etempelini ngoMoya; kwa ti, abazali se be m ngenisile umntwana uJesu, ukuba ba m enzele njengomkuba womteto,

Mat. 4. 1.

28 Wa m gona, wa bonga uTixo, e ti, 29 Nkosi, a ke u mukise kahle inceku yako njengokutyo kwako;

Gen. 46. 30

30 Loku amehlo ani a bonile ukusindisa kwako, Isai. 52. 10. isa. 3. 6.

31 O ku lungisile ebusweni babantu bonke,

32 Ukukanya kokukanyisa izizwe, nokukazimula kwabantu bako abaIsraeli.

Isai. 42. 6. & 49. 6. & 60. 1-3.

Imis. 13. 47. & 28. 28.

33 Ba mangala oJosefa nonina ngaloko okutyiwo ngaye.

34 uSimeoni wa ba busisa, wa ti ku-Maria unina, Bheka, lomntwana u miselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kubaIsraeli, nokuba a be isibonakaliso esipikwayo :

Hos. 14. 9. Mat. 21. 44.

1 Kor. 1. 23, 24. 1 Pet. 2. 8. Imis. 28. 22.

35 Yebo, isinkemba si ya kudabula umpfumlo wako, ukuba ku bonakale izizindhlo zezinhliziyweni eziningi.

John. 19. 25.

36 Kwa ku kona uAna umprofetikazi, indodakazi ka Fanueli, wesizwe sika Aseri, emdala; e be hlale nendoda iminyaka e isikombisa ngasemva kokwenda kwake;

37 E se umfelokazi o neminyaka emashumi ashiyagalombili nane, o nge-mukanga etempelini, wa konza ebusuku na semini ngokuzila ukudhla na ngokukuleka. Imis. 26. 7. 1 Tim. 5. 5.

38 Naye e fika nga lesosikati, wa bonga iNkosi wa kuluma ngaye kubo bonke ba seJerusalema aba bheke ukusindiswa.

Mark 15. 43. isa. 24. 21.

39 Se be qedile konke njengomteto weNkosi, ba buyela eGalile, emzini wa kubo, eNazareta.

40 Wa kula umntwana, wa ba namandhla ngokomoya, e gwele ukuhlakanipa; umusa ka Tixo wa u pezu kwake.

isa. 1. 80. & 2. 52.

41 Abazali bake ba ya eJerusalema iminyaka ngeminyaka ngesikati somhlangano wepasika.

Eks. 23. 15.

Dut. 16. 1.

42 E se neminyaka e ishumi nambili, ba kupuka ba ya eJerusalema njengomkuba wa lomhlangano.

43 Se be qedile izinsuku, ekubuyeni kwabo, umntwana uJesu wa sala emva eJerusalema; uJosefa nonina ba be ngazi.

44 Kodwa ba be ti u kona kwabahamba nabo; ba hamba usuku lwa lunye, ba m funa ezihlotyeni zabo na kwabazana nabo.

45 Be nga m toli, ba buyela eJerusalema, be m funa.

46 Kwa ti emva kwezinsuku ezintatu, ba m fumanisa etempelini, e hlezi pakati kwabafundisi, e be zwa, e ba buza.

47 Bonke aba be mu zwa ba mangala ngokuqonda kwake nangokupendula kwake.

Mat. 7. 28. isa. 4. 22, 32.

John. 7. 15, 46.

48 Se be m bonile ba mangala; unina wa ti kuye, Mntanami, u senzeleni okunje na? Bheka, uyihlo nami se si ku funa si dabukile.

49 Wa ti kubo, Be ni ngi funelani na? be ni ngazi ini ukuba nga ngi ba emsebenzini ka Baba na?

John. 2. 16.

50 A bezwisisanga izwi a be li tyilo kubo.

isa. 9. 45. & 18. 34.

51 Wehla nabo wa ya eNazareta, wa ba pansi kwabo. Kepa unina wa zi gcina enhliziyweni yake lezizinto zonke.

Dan. 7. 28.

52 uJesu wa dhula ngokuhlakanipa, nobukulu, nokutandwa uTixo nabantu.

1 Sam. 2. 26.

### ISAHLUKO 3.

**N**NGOMNYAKA weshumi nanhlanu wokubusa kuka Tiberi Kesari, uPontio Pilatu e induna ya seJudia, uHerodi e induna ya seGalile, uFilipu umfo wabo e induna ya seIturea nezwe la seTrakoniti, uLusania e induna ya seAbilene,

2 uAnasi noKaiafasi be ngabapristi abakulu, kwa fika izwi lika Tixo kuJohane indodana ka Zakaria, e sehlane.

John. 18. 13. Imis. 4. 6.

3 Wesuka wa ya ezweni lonke la seJordan, wa shumayela ukubapatiza kokupenduka, ku tetelelwe izono;

Mat. 3. 1-12. Mark 1. 4-8. isa. 1. 77.

4 Njengokulotyweyo encwadini yamazwi ka Isaya umprofeti, ukuti, Izwi lomemezayo ehlane lokuti, Lungisani indhlela yeNkosi, nenze imendo yayo iqonde.

Isai. 40. 3. John. 1. 23.

5 Izigodi zonke zi ya kugqitywa, ku hlelwe zonke izintaba namaduli, ku qonde izigwegwe, ku lelezake izigodigodana.

6 Abantu bonke ba ya kubona ukusindisa kuka Tixo. Izihl. 98. 2. Isai. 52. 10.

isa. 2. 10.

7 Wa ti kubantu abezayo ukuze ba bapatizwe uye, Nzalo yeziyoka, ubani o ni bonise ukuba ni balekele ulaka oluzayo na?

8 Vezani izitelo ezifanele ukupenduka, ni nga qali ukuti pakati kwenu, si no-

Abrahama ubaba wetu; ngi ti kini, uTixo a nga m vusela uAbrahama abantwana ku lamatye.

9 Izembe se li bekiwe empandeni yemiti; imiti yonke e nga teli izitelo ezilungileyo i ya kunqunywa i ponswe emlilweni. Mat. 7. 19.

10 Abantu ba m buza, be ti, Si ya kwenzani na? Imis. 2. 37.

11 Wa pendula wa ti kubo, O nezingubo ezimbili a ka mu pe o nge nayo; naye o nokudhla enze njalo. isa. 11. 41.

1 John. 3. 17.

12 Kwa fika nabatelisi ukuba ba bapatzwe; ba ti kuye, Mfundisi, si ya kwenzani na? Mat. 21. 32. isa. 7. 29.

13 Wa ti kubo, Ni nga bizi luto ngapandhle kwenikumiselweyo. isa. 19. 8.

14 Namabuto a m buza a ti, Nati si ya kwenzani na? Wa ti kuwo, Ni ngamuki umuntu into, ni nga m hlebi, ni kolwe iloku eni ku kokelwa. Eks. 23. 1.

Levi 19. 11.

15 Abantu be sa bheka, be zindhla bonke ezinhliziyweni zabo ngoJohaue, ukuba u nguKristu;

16 uJohane wa pendula wa ti kubo bonke, Mina ngi ya ni bapatzwa ngamanzi, kepa ku yeza omkulu ku nami, a ngi fanele ukutukulula imicilo yezicatulo zake; yena u ya kunibapatzwa ngoMoya o ingewele na ngomlilo.

17 Isihlungo sake si sesandhleni sake, u ya kuwelisisa amabele ake, a wa bulele endhlini, a tyise amakoba ngomlilo ongacimekiyo. Mat. 13. 30.

18 Nokunye okuningi wa ku shumayela ebantwini, e ba luleka.

19 Kepa uHerodi inkosi, se e solwe uye ngoHerodia, umka Filipu, umfo wabo, na ngokubi konke a be kwenzile uHerodi; Mat. 14. 3. Mark 6. 17.

20 Wengeza na loku pezu kwako konke ukuti, wa m valela uJohane etilongweni.

21 Kwa ti, se be bapatzwe abantu bonke, naye uJesu e bapatzwe, e sa kuleka, kwa vuleka izulu, Mat. 3. 13-17.

Mark 1. 9-11. John. 1. 32.

22 uMoya o ingewele, e nesimo somzimba, ku nga ti ijuba, wehla e za pezu kwake; kwa fika izwi li vela ezulwini, li ti, Wena u iNdodana yami etandiweyo; ngi kolwa uwe.

23 Yena uJesu, wa e se neminyaka e nga ba mashumi amatatu, o tiwa indodana ka Josefa, ka Heli, Imib. 4. 3.

Mat. 13. 55. John. 6. 42.

24 Ka Matati, ka Levi, ka Melki, ka Jana, ka Josefa,

25 Ka Matatiasi, ka Amosi, ka Naumi, ka Esli, ka Nage,

26 Ka Mati, ka Matatiasi, ka Semei, ka Josefa, ka Juda,

27 Ka Joana, ka Resa, ka Zorobabeli, ka Salatfeli, ka Neri,

28 Ka Melki, ka Adi, ka Kosamu, ka Elmodamu, ka Eri,

29 Ka Jose, ka Eliezeri, ka Jorimu, ka Matati, ka Levi,

30 Ka Simeoni, ka Juda, ka Josefa, ka Jonana, ka Eliakimu,

31 Ka Melea, ka Menana, ka Matata, ka Natani, ka Davida. Zek. 12. 2.

2 Sam. 5. 14. 1 Kron. 3. 5.

32 Ka Jese, ka Obedi, ka Boazi, ka Salmoni, ka Nasoni, Rute 4. 18-22.

33 Ka Aminadaba, ka Aranu, ka Esromi, ka Faresi, ka Juda,

34 Ka Jakobe, ka Isaka, ka Abraham, ka Tara, ka Nakora, Gen. 11. 10-26.

35 Ka Saruki, ka Ragau, ka Faleki, ka Heberi, ka Sala,

36 Ka Kenani, ka Arfaksada, ka Shemi, ka Noa, ka Lameki, Gen. 5. 6.

37 Ka Matusala, ka Enoki, ka Jaredi, ka Maleleli, ka Kenani,

38 Ka Enosi, ka Seti, ka Adamu, ka Tixo. Gen. 5. 1, 2.

#### ISAHLUKO 4.

UJESU e gewele uMoya o ingewele wa buya eJordan, wa holekwa uMoya chlane, Mat. 4. 1-11. Mark 1. 12, 13. isa. 2. 27. & 4. 14.

2 E lingwa uSatani izinsuku ezimashumi amane. A ka dhlanga luto nga lezozinsuku; se zi pelile wa lamba. Eks. 34. 28. 1 Ama. 19. 8.

3 uSatani wa ti kuye, Uma u iNdodana ka Tixo, yityo ku lelitye li be inkwa.

4 uJesu wa pendula wa ti kuye, Ku lotyiwe ukuti, Umuntu a nge pile ngesinkwa sodwa, [u pila ngamazwi onke ka Tixo.] Dut. 8. 3.

5 uSatani wa m kupulela entabeni ende, wa m bonisa imibuso yonke yezwe ngesikatyana.

6 uSatani wa ti kuye, Ngo ku nika lawamandhla onke nobukosi bawo; loku a nikelwe kimi, na lowo engi tanda ukumnika wona, ngi nga m nika;

John. 12. 13. & 14. 30. Isam. 13. 2.

7 Uma u kuleka kimi konke ko ba okwako.

8 uJesu wa pendula wa ti kuye, Suka,

Satani; ku lotyiwe ukuti, Wo kuleka eNkosini uTixo wako, u m konze yena yedwa. Dut. 6. 13. & 10. 20.

9 Wa m holela eJerusalema, wa m beka esiqongweni setempeli, wa ti kuye, Una u iNdodana ka Tixo, ziponse pansi;

10 Loku ku lotyiwe ukuti, U ya kuyala izingelosi zake ngawe, zi ku londe, Izihl. 91. 11.

11 Zi ku pate ngezandhla, u nga quzuleki ngonyawo etyeni.

12 uJesu wa pendula wa ti kuye, Ku lotyiwe ukuti, U nga lingi iNkosi, uTixo wako. Dut. 6. 16.

13 uSatani se e qedile ukulinga konke, wa m shiya isikati. John. 14. 30. Heb. 4. 15.

14 uJesu wa buya ngamandhla ka Moya, weza eGalile; kwezwakala udumo lwake ezweni lonke la ngakona.

Mat. 4. 12. John. 4. 43. Imis. 10. 37.

15 Wa fundisa ezindhlini zabo zokusonta, e duniyiswa abantu bonke.

16 Weza eNazareta lapa wa bondhliwa kona; ngosuku lwesabata wa ngena endhlini yokusonta njengokwenza kwake, wesuka wema ukufunda.

Mat. 2. 23. Mark 6. 1. Imis. 13. 14. & 17. 2.

17 Wa nikwa inewadi ka Isaya umprofeti; e sa penya inewadi wa fumanisa indawo oku lotyiwe kuyo ukuti,

18 Umoya weNkosi u pezu kwami; ngaloku i ngi geobile ukuba ngi shumayele ivangeli kwabampofu; i ngi tumile ukupilisa abadabukileyo ngenhliziyo, ukushumayela ukukululwa kwabatunjwayo, ukubheka kwezimpupute, ukuhlenga abahlutyiweyo, Isai. 61. 1.

19 Nokushumayela umnyaka omuhle weNkosi.

20 Wa songa inewadi wa i buyisela eucekwini, wa hlala. Ba m bhekisisa bonke aba sendhlini yokusonta.

21 Wa qala wa ti kubo, Namihla nje ku gewaliske lenewadi ezindhlebeni zenu.

22 Ba fakazisa bonke, ba mangala ngamazwi amnene a puma enloniyeni wake, ba ti, Lo a siyo indodana ka Josefa na? Izihl. 45. 2. Mat. 13. 54-58.

Mark 6. 2-6. isa. 2. 47. John. 6. 42.

23 Wa ti kubo, Nembala ni ya kutyo kimi lesisiga sokuti, Nyanga, zisindise; loku esi ku zwile kwenziwe eKapernaume, kwenze na lapa ezweni la kini.

Mat. 4. 13. & 11. 23.

24 Wa ti, Ngi qinisile, ngi ti kini, A

ku ko umprofeti okolekile ezweni la kubo. John. 4. 44.

25 Ngi qinisile ngi ti kini, Kwa ku kona kwa Israeli abafelokazi abaningi emihleni ka Elija, lapo kwa valeka izulu iminyaka emitatu nezinyanga ezi isitupa, ya i kona indhlala enkulu ezweni lonke; 1 Ama. 17. 9. & 18. 1. Jak. 5. 17.

26 Kepa uElija ka tunyelwanga na koyedwa ku labo, wa tunyelwa eSarepta la seSidoni kumfazi e ngumfelokazi kupela.

27 A e kona kwa Israeli amalepero amaningi emihleni ka Elisha umprofeti, kepa kwa ku nga hlanjululwe nalinye kuwo, kupela uNamana wa seSiria.

2 Ama. 5. 14.

28 Ba gewala ulaka bonke aba sendhlini yokusonta, se be zwile loku,

29 Besuka ba m qubela ngapandhle komuzi, ba m yisa nga sekwegameni kwentaba, okwakiwe pezu kwayo umuzi wabo, ukuba ba m ponse pansi.

30 Kepa wa dabula pakati kwabo wemuka. John. 8. 59. & 10. 39.

31 Wehla wa ya eKapernaume, umuzi wa seGalile, wa ba fundisa ngamasabata.

Mat. 4. 13. Mark 1. 21-23.

32 Ba mangala ngokufundisa kwake; izwi lake la li namandhla. Mat. 7. 28, 29.

Titusi 2. 15.

33 Kwa ku kona endhlini yokusonta umuntu o nomoya wedemone elibi, wa memeza ngezwi elikulu,

34 E ti, Yeka, si nani kuwe, Jesu wa seNazareta? u ze ukusibubisa na? Ngi ya kwazi ukuba u ubani, u ngo ingewele ka Tixo. Izihl. 16. 10. Dan. 9. 24.

isa. 1. 35.

35 uJesu wa m kuza wa ti, Tula u pume kuye. Idemone la m ponsa pakati kwabo, la puma kuye, li nga m limazile.

36 Ba mangala bonke, ba kuluma ba ti, Izwi lini leli na? u yala omoya ababi ngokwahlula na ngamandhla, ba pume.

37 Kwezwakala udumo lwake ezindaweni zonke zezwe la ngakona.

38 Wesuka endhlini yokusonta, wa ngena endhlini kaSimone. Umkwekazi ka Simone wa e kwelwe umkuhlane omkulu; ba m kulekela kuye.

Mat. 8. 14-16. Mark 1. 29-34.

39 Wa m engama, wa kuza umkuhlane, wa m yeka; wesuka masinyane, wa ba konza.

40 Se li tyonile ilanga, bonke aba be nabagulayo izifo ngezifo, ba ba zisa

kuye; wa beka izandhla pezu kwabo bonke, wa ba pilisa.

41 Amademone a puma kwabaningi, a memeza a ti, Wena u iNdodana ka Tixo. Kepa wa wa kuza, wa ngaba ukuba a kulume; loku a e m azi ukuba u uKristu. Mark 3. 11.

42 Se ku sile, wa puma wa ya endaweni e sehlane; abantu ba m funa, beza kuye, ba m libazisa ukuba a nge muki kubo.

43 Wa ti kubo, Nga ngi shumayela ivangeli lombuso ka Tixo na kweminye imizi; ngi tunyelwe loko.

44 Wa shumayela ezindhlini zokusonta za seGalile. Mark 1. 39.

ISAHLUKO 5.

**K**WA ti abantu be sa m cinezela ukuba ba li zwe izwi lika Tixo, wema nga selwandhle lwa seGenesareta. Mat. 4. 18. Mark 1. 16.

2 Wa bona imikumibi emibili i mi nga selwandhle, abalobi ba be punile kuyo be hlanza amaneta abo.

3 Wa ngena komunye kuyo, o ngoka Simone, wa m nxusa ukuba a suke ogwini a qubeke incozana. Wa hlala pansi, wa ba fundisa abantu e semkunjini.

4 Se e qedile ukushumayela wa ti ku-Simone, Qubekela emanzini, ni wehlise amaneta enu, ni bambe. John. 21. 6.

5 uSimone wa pendula wa ti kuye, Nkosi, se si sebenzile ubusuku bonke, a si bambanga luto; kepa ngezwi lako ngi ya kwehlisa ineta.

6 Se be kwenzile loko, ba bamba izinhlanzi eziningi kakulu, la dabuka ineta labo.

7 Ba qweba abahlanganyele nabo be semkunjini omunye, ukuba beze, ba bambisane nabo. Beza, ba gwalisa imikumibi yombili, ya za ya ti a i tyone.

8 uSimone Petro se e bone loku, wa wa nga semadolweni ka Jesu, wa ti, Suka kimi, Nkosi, ngi ngumuntu o isoni. 2 Sam. 6. 9. 1 Ama. 17. 18.

9 Wa mangala yena, nabo bonke aba be naye ngezinhlanzi, aba be zi bambile.

10 Ba be njalo nabo oJakobe noJohane; amadodana ka Zebedi, abahlanganyele noSimone. uJesu wa ti ku-Simone, U ngesabi; kaloku se u za kubamba abantu. Mat. 4. 19, 20. Mark 1. 17, 18.

11 Se be zisile imikumibi nga sogwini, ba shiya konke ba m landela.

Mat. 19. 27. isa. 18. 28.

12 Kwa ti e semzini otile, bheka, umuntu o kwelwa ubulepero enzimbeleni wonke, e m bona uJesu, wa wa ngobuso, wa kuleka kuye, e ti, Nkosi, uma u tanda, u nga ngi hlambulula.

Mat. 8. 2-4. Mark 1. 40-44.

13 Wa selula isandhla sake, wa m pata, e ti, Ngi ya tanda; hlambululeka. Ubulepero besuka kuye masinyane.

14 Wa m yala ukuba a nga tyeli muntu; kodwa wa ti, Hamba, u zibonise kumpristi, u nikele ngokuhlanjululwa kwako njengomteto ka Mosi ku be ukuqinisa kubo. Levi 14. 4, 10, 21, 22.

15 Kodwa indaba yake yezwakala kakulu; abantu abaningi ba butana ukumuzwa nokusindiswa uye izifo zabo.

16 Wemuka wa ya ehlane, wa kuleka.

Mat. 14. 23. Mark 6. 46.

17 Kwa ti ngolunye usuku, e sa fundisa, ba be hlezi kona abaFarisi naba-fundisi bomteto, aba be vela emizini yonke ya seGalile, neJudia, neJerusalem; amandhla eNkosi a e kona ukubapilisa.

18 Bheka, abantu ba be twele umuntu ngombede, o iparalio, ba funa ukumngenisisa nokumbeka pambi kwake.

Mat. 9. 2-8. Mark 2. 3-12.

19 A ba fumananga ituba lokumngenisisa ngenxa yabantu, ba kwela pezu kopahla, ba bobosa isitini, ba m ehlelisa kanye nombede ngapakati pambi kuka Jesu.

20 Se e bonile ukukolwa kwabo, wa ti kuye, Ndoda, u tetelwe izono zako.

21 Ababali nabaFarisi ba qala ukuzindhla, be ti, Ubani lo o shumayela inhlamba na? Ubani o nga tetelele izono, ka siye uTixo yedwa na?

22 Kepa uJesu e kwazi ukuzindhla kwabo, wa pendula wa ti kubo, Ni zindhlelani ezinhliziyweni zenu na?

23 Ikupi okukulu, ukuti, U tetelwelele izono zako; nokuti, Suka u hambe, na?

24 Kepa ukuze nazi ukuba iNdodana yomuntu i namandhla emhlabeni okutetelela izono, wa ti ko iparalio, Ngi ti kuwe, Suka, u tabate umbede wako, u ye endhlini yako.

25 Masinyane wesuka pambi kwabo, wa tabata umbede, a be lele kuwo, wa ya endhlini yake, e bonga uTixo.

26 Ba mangala bonke, ba m dumisa uTixo, besaba kakulu ba ti, Si bonile izimangaliso namhla.

27 Emva kwaloku wa puma, wa bona umtelisi, igama lake uLevi, e hlezi

endaweni yokutela imali, wa ti kuye, Ngi landele. Mat. 9. 9-13. Mark 2. 13-17.

28 Wa shiya konke, wesuka, wa m landela.

29 uLevi wa m enzela idili endhlini yake; kwa ku kona, abantu abanengi abateli nabanye aba be cambalala nabo ekudhlени. isa. 15. 1.

30 Ababali nabaFarisi ba konona kubafundi bake, be ti, Ini ukuba ni dhle ni puze nabateli nezoni na?

31 uJesu wa pendula wa ti kubo, Abapilileyo a ba dingi inyanga, abagulayo bodwa.

32 A, ngi zanga ukubiza abalungileyo, ngi ze ukubiza izoni zi penduke.

1 Tim. 1. 15.

33 Ba ti kuye, Ini ukuba abafundi baka Johane ba zile ukudhla kaningi, ba kuleke, njalo naba kubaFarisi, kepa abako ba dhle, ba puze? Mat. 9. 14-17.

Mark 2. 18-22.

34 Wa ti kubo, Ni nga benza ba zile abayeni, e se nabo umyeni na?

35 Kodwa ku za kufika izinsuku, lapo umyeni e ya kususwa kubo, bandu kuzila nga lezozinsuku.

36 Wa shumayela kubo umfanekiso wokuti, A ku ko umuntu o bekela isiziba esitya engutyeni endala; ku nga ti esitya si i dabule, isiziba esitya si nga lungelani nengubo endala.

37 A ku ko umuntu o tela iwaini elitya ezimvabeni ezindala; ku nga ti iwaini elitya li qumise izimvaba, li citeke, izimvaba zonakale.

38 Kodwa iwaini elitya nga li telwa ezimvabeni ezintya.

39 A ku ko umuntu, se e puzile iwaini elidala, o suka a fune elitya; u ti, Li mnandi elidala.

### ISAHLUKO 6.

**K**WA ti ngesabata lesibili emva kwe- lokuqala, wa dabula emasinini abafundi bake ba zika izikwebu, ba dhla, be zi hlikihla ngezandhla. Mat. 12. 1-8.

Mark 2. 23-28.

2 Kepa abanye abaFarisi ba ti kubo, Nenzelani okungafanele ukwenziwa ngesabata na? Eks. 20. 10.

3 uJesu wa ti kubo, A ni fundanga ini okwenziwa uDavida, msukwana e lambile, yena naba be naye?

1 Sam. 21. 6.

4 Ukuti wa ngena endhlini ka Tixo, wa tabata izinkwa zokubhekela, wa dhla wa ba pa aba be naye, ezi nga fa-

nele ukudhliwa umuntu, abapristi kupela? Levi 24. 9.

5 Wa ti kubo, Indodana yomuntu i Nkosi neyesabata.

6 Kwa ti ngelinye isabata wa ngena endhlini yokusonta, wa fundisa; kwa ku kona umuntu osandhla sake sokene si shwabene. Mat. 12. 9-14.

Mark 3. 1-6. John. 9. 16.

7 Ababali nabaFarisi ba m linda, uma u ya kupilisa ngesabata, ukuba ba m tolise icala.

8 Kepa wazi ukuzindhla kwabo, wa ti kumuntu o nesandhla esishwabeneyo, Suka u me ngapakati. Wesuka wema.

9 uJesu wa ti kubo, Ngi ya buza ngi ti, I kupi okufaneleyo ngesabata na? ukwenza okulungileyo nokwenza okubi? ukusindisa umuntu nokubulala na?

10 Wa ba bhekisisa bonke, wa ti ku loniuntu, Yelula isandhla sako. Wenze njalo; isandhla sake sa piliswa, sa ba njengesinye.

11 Ba tukutela kakulu, ba buzana uku- ba ba za kwenzani kuJesu.

12 Kwa ti nga lezozinsuku wa puma wa ya entabeni ukukuleka: wa e kona ubusuku bonke ekukulekeni kuTixo.

Mat. 14. 23.

13 Se ku sile wa bizela kuye abafundi bake, wa keta kubo aba ishumi nambili, a ba qamba igama lokuti abapostoli;

Mat. 10. 1-4. Mark 3. 16-19.

14 uSimone, a m qamba igama lokuti uPetro, noAndrea umfo wabo, uJakobe noJohane, uFilipu noBartolome,

John. 1. 42.

15 uMateu noTomasi, uJakobe ka Alfeu noSimone o tiwa uZelote.

16 uJuda umfo wabo ka Jakobe noJuda uIskarioti, owa m nikela. Jude 1.

17 Wehla nabo wema endaweni e itafa, nabafundi bake abanengi, nesixuku esikulu sabantu aba vela kulo lonke iJudia, na seJerusalem, na sezweni la seTire neSidone nga selwandhle, aba be zile ukumuzwa nokupiliswa ezifveni zabo. Mat. 4. 25. Mark 3. 7.

18 Nabakwelwe omoya ababi; ba piliswa.

19 Abantu bonke ba funa ukumpata, ngokuba kwa puma kuye amandhla, a ba pilisa bonke. Mat. 14. 36. Mark 5. 30.

isa. 8. 46.

20 Wa bheka abafundi bake, wa ti, Ni busisiwe nina bampofu; ngokuba umbuso ka Tixo u ngowenu. Mat. 5. 3-12.

21 Ni busisiwe nina balaumbileyo kalo-



ku; ngokuba ni ya kusutiswa. Ni busisiwe nina bakalayo kaloku; ngokuba ni ya kuhleka.

22 Ni busisiwe nxa abantu be ni zonda, ba ni lahle, ba ni tuke, ba li dele igama lenu kungati libi, ngenxa yeNdodana yomuntu. John. 16. 2.

23 Jabulani nga lolusuku, ni tokoze, ngokuba umvuzo wenu umkulu ezulwini; oyise babo benza okunjalo kubaprofeti.

24 Kodwa nako kinina bacebileyo; ngokuba se ni yamkele intokozo yenu. Amosi 6. 1. Jak. 5. 1. isa. 12. 21. || Mat. 6. 2. isa. 16. 25.

25 Nako kinina basutiyo, ngokuba ni ya kulamba. Nako kinina bahlekayo kaloku; ngokuba ni ya kukala ni lile.

Isai. 65. 13. Amazwi 14. 13.

26 Nako kinina, nxa abantu bonke be kuluma kahle ngani; oyise babo benza okunjalo kubaprofeti bamanga.

John. 15. 19. 1 John. 4. 5.

27 Kepa ngi ti kinina enizwayo, Tandani izita zenu, ni pate kahle abanizondayo, Mat. 5. 44. Rome 12. 20.

28 Ni busise abanitukayo, ni ba kulekele abanilahlebayo.

29 O ku tyaya esihlatini, m nikele nesinye; o kwamuka ingubo, u nga m nqabeli nebantyi.

Mat. 5. 39-42. 1 Kor. 6. 7.

30 Ba pe bonke abacelayo kuwe; nokwamuka okwako, u nga buyi u ku bize kuye.

31 Njengaloku ni tanda ukuba abantu benze kinina, nenze njalo kubona.

Mat. 7. 12.

32 Uma ni tanda aba ni tandayo, ni nokubongwa kuni na? izoni zi tanda aba zi tandayo. Mat. 5. 46.

33 Uma ni pata kahle aba ni pata kahle, ni nokubongwa kuni na? zenze njalo nezoni.

34 Uma ni ba tyeleka labo e netemba ni ti, ni ya kupiwa ibo, ni nokubongwa kuni na? izoni zi tyeleka izoni, zi ti, zi ya kupiwa okunjalo. Mat. 5. 42.

35 Kodwa tandani izita zenu, nenze okuhle, ni tyeleke, ni ngetembi ukwamkeliswa luto; umvuzo wenu u ya kuba mkulu, ni be abantwana boPezulu konke: u mnene yena kwabangabongiyo nababi. Mat. 5. 45.

36 A ke ni, be nomusa njengoYihlo wenu u nomusa. Mat. 5. 48.

37 Ni nga zindhlekeleli, kona a ni yi kuzindhlekelwa; ni nga lahli, kona a

ni yi kulahlwa; tetelelani, kona ni ya kutetelelwa; Mat. 7. 1-5.

38 Yipani, kona ni ya kupiwa; ko nikelwa esifubeni senu isilinganiso esihle, si cindezelve, si zanyazanisiwe, si qongile; ngalesilinganiso eni linganisa ngaso, nani ni ya kulinganiselwa ngaso. Amazwi 19. 17. Izihl. 79. 12.

39 Wa shumayela umfanekiso kubo, e ti, Impumpute i nga hola impumpute na? a zi yi kukalakatela emgodini zombili na? Mat. 15. 14.

40 Umfundi a ka pezu komfundisi wake; kepa ilowo opeleleyo u ya kuba njengomfundisi wake. Mat. 10. 24.

41 U bhekelani isibi esi sesweni lomfo wenu, u nga boni ugongolo olu sesweni lako na?

42 U nga tyo kanjani kumfo wenu ukuti, Mfo wetu, a ke ngi kipe isibi esweni lako, u nga boni wena ugongolo olu sesweni lako? Mzenzisi, qala u kipe ugongolo esweni lako, kona u ya kubonisisa ukukipa isibi esweni lomfo wenu.

43 A ku ko umuti omuhle o tela isitelo esibi, nomuti omubi o tela isitelo esihle. Mat. 7. 16, 17.

44 Imiti yonke i yaziwa ngezitelo zayo; amakiwane a ka kiwa emeveni, nezinhlamvu zevini a zi vunwa ogaganeni. Mat. 12. 33.

45 Umuntu olungileyo u veza okulungileyo emfuyweni elungileyo yenhliziyoyake; nomuntu omubi, emfuyweni embi yenhliziyoyake u veza okubi; ngokuba umlomo u shumayela ngokuvama kwenhliziyoyoyake. Mat. 12. 34, 35.

46 Ni ngi bizelani ngokuti, Nkosi, Nkosi, ni nga kwenzi engi ku tyoyo na? Mal. 1. 6. Mat. 7. 21.

47 O suka e ze kimi, e zwe amazwi ami, a wenze, ngo ni bonisa lowo a fana naye. Mat. 7. 24-27.

48 U fana nomuntu owaka indhlu, wemba wa tyonisa, wa beka isisekelo edwaleni; kwa fika uzamcolo, umfula wa tyaya leyondhlu, kepa wa u nge nakuzizamzamisa, ngokuba i bi sekelwe idwala.

49 Kepa ozwayo e ngenzi, u njengonuntu owaka indhlu emhlabatini, i nge nasisekelo, umfula wa i tyaya, ya wa masinyane; kwa ba kukulu ukuciteka kwa leyondhlu.

#### ISAHLUKO 7.

S E e qedile ukushumayela lawamazwi Sake onke ezindhlebeni zabantu, wa ngena eKapernaume. Mat. 8. 5-13.

2 Inceku yenduna etile yekulu, e tandwa iyo, ya i gula, i si za kufa.

3 Se i zwile ngoJesu, ya tuma amalunga abaJuda kuye, i m nxusa, ukuba eze, a<sup>c</sup> sindise inceku yayo.

4 A ya kuJesu, a m ncenga kakulu a ti, U fanele lo, o za ku m enzela loku;

5 Ngokuba e tanda isizwe sa kiti, wa sakela indhlu yokusonta.

6 uJesu wa hamba nabo, Kepa e nga se kude nendhlu induna ya tuma imihlobo kuye, i ti kuye, Nkosi u nga zikatazi; a ngi fanele u ngene pansi kophala lwami.

7 Njalo be ngi ti a ngi fanele ukuza kuwe; yityo izwi nje, kona i za kupila inceku yami.

8 Nami ngi ngumuntu o pansi kwamakosi, ngi namabuto pansi kwami, ngi ti ku leli, Yiya, li ye; ngi ti kwelinye, Yiza li ze; ngi ti encekwini yami, Yenza loku, i kwenze.

9 uJesu e zwa loku wa mangala ngayo, wa penduka wa ti kubantu abamlandelayo Ngi ti kini, a ngi zanga ngi fumane ukukolwa okungaka na kwa Israeli.

10 Abatunyiveyo, se be buyele ekaya, ba i fumana inceku eya i gula i si **pile**.

11 Kwa ti ngangomso wa ya emzini o tiwa iNaine; kwa hamba naye abafundi bake abaningi, nesixuku esikulu.

12 Se e sondele nga sesangweni lomuzi, bheka, wa e puuyiswa umuntu ofileyo, indodana eyodwa ka nina e umfelo-kazi; abantu abaningi ba lomuzi ba be naye.

13 iNkosi i sa m bona, ya m hankela, ya ti kuye, U nga kali.

14 Ya sondela ya pata uhlobo, abatweleyo bema, ya ti, Mfana, ngi ti kuwe, Vuka.

15 Ofileyo wa vuka, wa hlala, wa qala ukukuluma; ya m nika unina.

16 Ba kwelwa ukwesaba bonke, ba dumisa uTixo, be ti, Se ku vele umprofeti omkulu pakati kwetu, nokuti, uTixo u hambile abantu bake. isa. 1. 65.

isa. 24. 19. John. 6. 14.

17 Kwezwakala loludumo lwake kulo lonke iJudia na sezweni lonke la kona.

18 Abafundi baka Johane ba shumayela kuye zonke lezizinto. Mat. 11. 2-19.

19 uJohane wa biza abafundi bake ababili, wa ba tuma kuJesu, e ti, Wena u nguye o be za kuza, so bheka omunye ini na?

20 Lababantu se be fikile kuye ba ti, uJohane umbapatizi u si tunile si ze

kuwe, u ti, Wena u nguye o be za kuza, so bheka omunye ini na?

21 Nga lesosikati wa pilisa abaningi ezifweni, na sekuguleni, na komoya ababi, nezinpumpute eziningi wa zi pa ukubona.

22 uJesu wa pendula wa ti kubo, Ham-bani ni ye ni m tyele uJohane loku eni ku bonileyo, neni ku zwileyo, ukuti, izimpumpute zi ya bona, izinyonga zi ya hamba, amalepero a ya hlanjulu-lwa, izitulu zi yezwa, abafileyo ba vuka, abampofu ba ya shunyayezwa ivangeli. Isa. 35. 5. isa. 4. 18.

23 U busisiwe o nga kubeki ngami.

24 Se zi mukile izitunywa zika Johane, wa qala ukushumayela kubantu ngoJohane, wa ti, Na puma ni ya ehlangane ukubonani na? uhlanga lu zanyazanyiswa unoyana na?

25 Kepa na puma ni ya ukubonani na? umuntu o mbete izingubo ezicilekileyo na? bhlekani, aba hlezi bembete izingubo ezikazimulayo, be nokumnandi, ba sezindhlini zamakosi.

26 Kepa na puma ni ya ukubonani na? umprofeti na? Yebo, ngi ti kini, omkulu ku nomprofeti.

27 Lo u nguye oku lotywe ngaye ukuti, Bheka, ngi ya tuma isitunywa sami pambi kwako, esi ya kulungisa indhlela yako pambi kwako. Mal. 3. 1.

28 Ngi ti kini, Kwabazelwe abafazi a ku ko umprofeti omkulu ku noJohane umbapatizi; kodwa omcinyane embusweni ka Tixo mkulu ku naye.

29 Abantu bonke abezwayo, nabatelisi ba m dumisa uTixo, be bapatizwa ngombapatizo ka Johane. Mat. 3. 5. isa. 3. 12.

30 Kepa abaFarisi nabameli ba cita icebo lika Tixo, nga kubona be nga bapatizwa. Imis. 20. 27.

31 Ya ti iNkosi, Abantu ba lesisizukulwane ngi ya kubafanisa nani na? ba njengani na? Mat. 11. 16-19.

32 Ba fana nabantwana abahlezayo endaweni yokubutana, be memezana, be ti, Si ni hlabelele, a ni sinanga; si ni lilele, a ni kalanga.

33 uJohane umbapatizi wa fika e nga dhli ukudhla, e nga puzi iwaini, ni ti, U nedemone.

Mat. 3. 4. Mark. 1. 6. isa. 1. 15.

34 iNdodana yomuntu ya fika, i dhla, i puza, ni ti, Bheka, umuntu o isiminzi nenseli, umhlobo wabatelisi nezoni.

35 Kepa ukuhlakanipa ku tetelela abantwana bonke bako.

36 Omunye wabaFarisi wa m nxusa ukuba eze, a dhle naye, Wa ngena eudhlhni yomFarisi, wa cambalala ekudhlhni.

Mat. 26. 6-13. Mark 14. 3-9. John. 11. 2.

37 Bheka, kwa ku kona emzini owesifazana, o isoni, se e zwile ku tiwa, u cambalele ekudhlhni endhlhni yomFarisi, wa pata umfuma wamafuta.

38 Weza wema nga sezinyaweni zake ngasemva, e kala, wa qala ukuswakamisa izinyawo zake ngezinyembezi, wa zesula ngezinwele zekanda lake, wa zanga izinyawo zake, wa zi gcoba ngamafuta.

39 Umfarisi o m bizileyo, se e bonile, wa zindhla enhliziyweni yake e ti, Lo, uma e ngumprofeti, nga e m azi lomfazi ompatayo ukuba ubani, nokuba u njani, ngokuba u isoni. isa. 15. 2.

40 uJesu wa pendula wa ti kuye, Simone, ngi funa ukukuluma kuwe. Wa ti, Kuluma, Mfundisi.

41 Kwa ku kona abantu be babili aba namacala kumuntu ofile; icala lomunye la li ngodenario aba makulu a isihlanu, elomunye la li ngamashumi a isihlanu.

Mat. 18. 28.

42 Se be nge nanto yokukoka, wa ba tetelela bobabili. Yityo, umupi ku labo o ya kumtanda kakulu na!

43 uSimone wa pendula wa ti, Ngi ti, i lowa e be m tetelele okukulu. Wa ti kuye, U qinisile.

44 Wa pendukela kumfazi, wa ti ku-Simone, U ya bona lomfazi na? Ngi ngenile endhlhni yako, a wu ngi nika-nga amanzi okugeza izinyawo zami, kepa yena u zi swakamise izinyawo zami ngezinyembezi, wa zesula ngezinwele zekanda lake.

45 A wu nganganga, kepa lo, iloku ngi ngenileyo, a ka yekanga ukwanga izinyawo zami.

46 Ikanda lami a wu li gcobanga nangamafuta, kepa lo u zi gcobile izinyawo zami ngamafuta amahle. Izihl. 23. 5.

47 Ngaloku ngi ti kuwe, U tetelelwe izono zake eziningi, ngokuba wa tanda kakulu: kodwa o tetelelwa incozana, u tanda incozana. 1 Tim. 1. 14.

48 Wa ti kuye, U tetelelwe izono zako.

Mat. 9. 2, 3. Mark 2. 5, 7.

49 Kepa aba be cambelele naye eku-dhlhni ba qala ukukuluma, be ti, Ubani lo o tetelela izono na?

50 Wa ti kumfazi, Inkolo yako i ku sindisile; hamba kahle. Mat. 9. 22.

Mark 10. 52. isa. 8. 48.

**K**WA ti ngasemva wa dabula emizini na simizaneni yonke, wa memezela, wa shumayela izindaba ezilungileyo zombuso ka Tixo; ba be naye aba ishumi nambili,

2 Nabafazi abatile aba be piliswe komoya ababi, na sezifweni, uMaria o tiwa uMagdalene, okwa puma kuye amademone a isikombisa, Mat. 27. 56.

Mark 16. 9.

3 NoJoana, umka Kuza, inceku ka Herodi, noSusana, nabanye abanangi, aba be m konza nempahla yabo.

4 Se be butene kuye abantu abanangi be vela emizini yonke wa shumayela ngomfanekiso, e ti, Mat. 13. 2-11.

Mark 4. 1-12.

5 Kwa puma umhlwanyeli, wa ya ukuhlwanyela imbeu yake, enye ya wa nga sendhlhleri, ya nyatelwa, izinyoni za i catya.

6 Enye ya wa ogedhlhni se i milile ya tyana ngokungabi nakuswakama.

7 Enye ya wa emeveni, ameva a hluma kanye nayo, a i minyauisa.

8 Enye ya wa enhlabatini olungileyo, ya mila, ya tela ukudhla ngekulu. Se e tyilo loku wa memeza wa ti, O nezi-ndhlebe zokuzwa a ke zwe.

9 Abafundi bake ba m buza be ti, U ini lomfanekiso na?

10 Wa ti, Ni piwe nina ukwazi imfihlakalo yombuso ka Tixo, kodwa kwabanye ku shunyayelwa ngemfanekiso; ukuba ngokubona ba nga bonisisi, na ngokuzwa ba nga qondi. Isai. 6. 9.

11 Umfanekiso iloku; Imbeu i izwi lika Tixo. Mat. 13. 18-23. Mark 4. 13-20.

12 Laba aba nga sendhlhleri ilabo abezwayo; kona ku fika uSarani, a li suse izwi enhliziyweni yabo, ukuba ba nga kolwa, ba sindiswe.

13 Laba aba sogedhlhni ilabo se be zwile, ba lamukela izwi ngokujabula; kepa ka ba nainpande, ba kolwa isikatyana, ngesikati sokulingwa ba hlubuke.

14 Leyo eya wa emeveni ilabo abezwayo, be puma ba minyaniswa ngezin-  
katazo, nemfuyo, nokujabula kwa lo-  
kukupila, a ba vezi ukudhla.

15 Leyo e semhlabatini olungileyo ilabo aba li zwa izwi ngenhliziyweni enhle nelungileyo, ba li geine, ba tele izitelo ngesineke.

16 A ku ko umuntu o sokela isibani, a si mboze ngesitya, nokuba a si beke pa-

nsi kombede; u ya si beka otini lwaso, ukuba abangenayo ba bone ukukanya.

Mat. 5. 15.

17 A ku ko okusitekileyo oku nga yi kubonakaliswa nokufihliweyo oku nga yi kwaziwa ku be sobala.

Mat. 10. 26.

isa. 12. 2.

18 A ke ni qonde ukuzwa kwenu; o nako u ya kupiwa, o nge nako u ya kwapucwa na loku a nga ti u nako.

Mat. 13. 12.

19 Kweza kuye unina nabafu wabo, kepa ba be nge nakufinyelela kuye ngenxa yabantu.

20 Kwa tyiwo kuye ukuti, Unyoko nabafu wenu be mi ngapandhle, ba funa ukukubona.

21 Wa pendula wa ti kubo, Umame nabafu wetu ilabo aba li zwa izwi lika Tixo, ba lenze.

22 Kwa ti ngolunye usuku, wa ngena emkunjini nabafundi bake, wa ti kubo, A si wele, si ye ngapesheya kolwandhle; bemuka.

Mat. 8. 23-27. Mark 4. 35-41.

23 Ekuhambeni kwabo wa lala: kwa vela isivunguvungu somoya elwandhle, ba gutyuzelwa ngamanzi, ba be sengozini.

24 Ba ya ba m vusa, be ti, Nkosi, Nkosi, sa fa. Wesuka wa kuza umoya, nokuguba kwamanzi; kwa nqamuka, kwa tula.

25 Wa ti kubo, Kupi ukukulwa kwenu na? besaba, ba mangala, ba kuluma, ba ti, Ubani lo, loku u kuza umoya namanzi, ku ya m lalala?

26 Ba fika ngomkumbi ezweni lama-Gadara, eli bhekana neGalile.

Mat. 8. 28-34. Mark 5. 1-17.

27 Se e pumile ogwini wa hlangabezwa umuntu wa lomuzi, owa be namademone isikati eside, e ngembati ingubo, e nga hlali endhlini, wa hlala emanuneni.

28 Se e bone uJesu wa kala, wa wa pambi kwake wa ti ngezwi elikulul, Ngi nani kuwe, Jesu, Ndodana ka Tixo o pezu konke? Ngi ya ku ncenga, u nga ngi hlupi.

29 Wa tyela umoya omubi ukuba a pume ku lomuntu, ngokuba wa e m bambile izikati eziningi, wa geinwa e botyiwe ngamakatangana na ngensimbi, wa qabula izibopo, wa qutywa idemone a ye ehlane.

30 uJesu wa m buza wa ti, Ubani igama lako? Wa ti, uLegeona; ngokuba amademone amaningi a be ngene kuye.

31 A m ncenga ukuba a nga tyo, a ye engodini.

Isaia. 20. 3.

32 Kwa ku kona lapo umhlambi wezingulube eziningi zi dhla entabeni; a m nxusa ukuba a wa vumele a ngene kuzo. Wa wa vumela.

33 Amademone a puma ku lomuntu, a ngena ezingulubeni, umhlambi wa gijimela elwandhle nga sesiweni, wa minza.

34 Abalusayo, se be bone okwenziweyo ba baleka, ba ya ba bika emzini na sezweni.

35 Ba puma ba ya ukubona okwenziweyo ba fika uJesu, ba m funanisa lomuntu, okwa puma kuye amademone, e hlezi nga sezinyaweni zika Jesu, embete, e qonda; besaba.

36 Aba be bonile ba ba tyela ukusindiswa kwa lo owa be e kwelwe amademone.

37 Abantu bonke aba sezweni lama-Gadara ba m nxusa, ukuba a muke kubobo, ngokuba ba kwelwa ukwesaba okukulu, kodwa yena se e ngenile emkunjini wa buyela emva.

Imis. 16. 39.

38 Lomuntu a be pumile kuye amademone, wa m ncenga ukuba a be naye; kodwa uJesu wa m mukisa, e ti,

Mark 15. 18-20.

39 Buyela ekaya lako, u landise loku konke a kwenzileyo kuwe uTixo. Wesuka wa ya wa shumayela emzini loku konke, uJesu a be kwenzile kuye.

40 Kwa ti ekubuyeni kuka Jesu, abantu ba m amkela; ba be m bhekile bonke.

41 Bheka, kwa fika umuntu, igama lake li nguJairo, e induna yendhlu yokusonta, wa wa nga sezinyaweni zika Jesu, wa m nxusa ukuba e ze a ngene endhlini yake: Mat. 9. 18-26. Mark 5. 22-43.

42 Wa e nentombazana i yodwa, iminyaka yayo i nga ba ishumi nambili, i si za kufa, Ekuhambeni kwake abantu ba m cindezela.

43 Umfazi owa ba nesifo sokopa igazi iminyaka e ishumi nambili, e se qedile ezinyangeni konke a be pila ngako, wa e nge nakusindiswa umuntu, Mat. 9. 20.

44 We za ngasemva, wa pata umpeto wengubo yake, kwa nqamuka masinyane ukopa kwegazi lake.

45 uJesu wa ti, Ngi patwe ubani na? Se be pika bonke, wa ti uPetro naba be naye, Nkosi, abantu be ku pahla, be ku cindezela, u ti, Ngi patwe ubani na?

46 uJesu wa ti ngi patwe umuntu,

ngokuba ngi zwa ku pumile amandhla kimi. isa. 6. 19.

47 Umfazi se e bona ukuba a ka fihleki, weza e tutumela, wa wa pambi kwaye, wa m tyela pambi kwabantu bonke ukuba u be m pateleni, nokuti wa piliswa masinyane.

48 Wa ti kuye, Yima isibindi, Mtanami, ukukolwa kwako ku ku sindisile; hamba kahle.

49 E sa kuluma, kwa fika umuntu wenduna yendhlu yokusonta, wa ti kuyo, Intombazana yako i si file; u nga m katazi umfundisi.

50 uJesu e zwa loku, wa pendula wa ti kuyo, U ngesabi; kolwa kupela i ya kusindiswa.

51 Wa ngena endhlini, a ka vumanga ukuba a ngene umuntu, kupela uPetro, noJohane, noJakobe, noyise nonina wentombazana.

52 Ba kala bonke, ba i lilela; kepa yena wa ti, Ni nga kali; a i file, i lele.

John. 11. 11, 13.

53 Ba m hleka, be yazi ukuti i file.

54 Wa ba kipa bonke, wa i bamba ngesandhla wa memeza, wa ti, Ntombazana, vuka. isa. 7. 14 John. 11. 43.

55 Kwa buya umoya wayo, ya vuka masinyane; wa ti ma ba i pe ukudhla.

56 Abazali bayo ba mangala; wa ba yala ba nga tyeli umuntu okwenziweyo.

Mat. 8. 4. & 9. 30. Mark 5. 43.

### ISAHLUKO 9.

**W**A ba biza abafundi bake aba ishumi nambili, wa ba pa amandhla okuba ba kipe amademone onke nokupilisa izifo. Mat. 10. 1. Mark 3. 13.

2 Wa ba tuma ukuba ba shumayele umbuso ka Tixo, ba sindise abagulayo.

Mat. 10. 7-14. Mark 6. 8-12. isa. 10. 1. 9.

3 Wa ti kubo, Ni nga pati uo lwendhlela, nanduku, nasikwama, nasinkwa, namali, ni nga bi nezingubo ezimbili. isa. 10. 4. & 22. 35.

4 Indhlu eni ngena kuyo, hlalani kona ni ze ni muke.

5 Abanganamkeliyo, nxa ni puma ku lomuzi, tuntutani utuli lwa sezinyaweni zenu, ku be isiqiniso kubo. Imis. 13. 51.

6 Be suka ba ya ba dabula imizi ngezimi ba shumayela ivangeli, ba pilisa ezindaweni zonke.

7 uHerodi inkosi wezwa konke okwenziwa uye, wa katazeka ngokutyiwo abanye ukuti, uJohane u vukile kwabafileyo. Mat. 14. 1-3. Mark 6. 14-16.

8 Abanye ba ti, u bonakele uElija; abanye ba ti, u vukile omunye kubaprofeti bokuqala.

9 uHerodi wa ti, uJohane nga m nguma ikanda, kepa ubani lo engi zwa ngayele loku na? Wa funa ukumbona.

isa. 23. 8.

10 Se be buyile abapostoli, ba m tyela konke aba be kwenzile. Wa ba tabata wa pambukela nabo bodwa endaweni e ihlane, ya semzini o tiwa iBetsaida.

Mark 6. 30-44. Mat. 14. 13-21.

11 Abantu se be kwazi, ba m landela; wa bankela, wa shumayela kubo ngombuso ka Tixo, wa pilisa aba be dinga ukupiliswa.

12 Se ku ntambama aba ishumi nambili beza ba ti kuye, Ba mukise abantu, ba ye emizini na semazweni a ngakona, ba lale ba tole ukudhla, loku si schlane. John. 6. 1, 5.

13 Wa ti kubo, Ba peni nina, ba dhle. Ba ti, A si nako, kupela izinkwa ezi isihlanu, nezinhlanzi ezimbili, uma si nga yi si ba tengele lababantu bonke ukudhla.

14 A be kona amadoda i nga ti izinkulungwane ezi isihlanu. Wa ti kubafundi bake, Ba hlaliseni ngezigaba, ngamashumi amahlanu.

15 Benza njalo, ba ba hlalisa bonke.

16 Wa tabata izinkwa ezi isihlanu nezinhlanzi ezimbili, e bheka nga sezulwini wa bonga wa zi hlepula, wa ba nika abafundi ukuba ba zi beke pambi kwabantu.

17 Ba dhla ba suta bonke; kwa butwa imvutuluka e sele kubo amaqoma a ishumi nambili.

18 Kwa ti, e kuleka e yedwa, abafundi ba be naye; wa ba buza wa ti, Abantu ba ti ngi ngubani na?

Mat. 6. 13-16. Mark 8 27-29.

19 Ba pendula ba ti, uJohane umbapattizi; abanye ba ti, uElija; abanye ba ti, u vukile omunye kubaprofeti bokuqala.

Mat. 14. 2, 7, 8.

20 Wa ti kubo, Kepa nina ni ti ngi ngubani na? uPetro wa pendula wa ti, U nguKristu ka Tixo. John. 6. 69.

21 Wa ba yala nokuyala ba nga tyo loku kumuntu; Mat. 16. 20.

22 E ti, iNdodana yomuntu i ya kuhlupeka kakulu; i delwe amalunga, nabapristi abakulu nababali, i bulawe, i buye i vuke ngosuku lwesitatu.

Mat. 16. 21-23. & 17. 22.

23 Wa ti kubo bonke, Uma umuntu e

tanda ukungilandela a ka zidele, a tabate isipambano sake imihla ngemihla, a ngi landele. Mat. 10. 38. Mark 8. 34-38. isa. 14. 27.

24 Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake, wo ku lahlekelwa; kodwa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami, wo ku sindisa.

25 Ku ya kumsiza ngani umuntu, e zuza izwe lonke, a lahleke, nokuba onakale.

26 Lowo o nezinhloni ngami na ngamazwi ami, iNdodana yomuntu i ya kuba hezinhloni ngaye, lapo i zayo ngobukosi bayo, nobuka Yise, nobezingelosi ezingewele. Mat. 10. 33. 2 Tim. 2. 12.

27 Ngi qinisile ngi ti kini, Ba kona abanye abemiyo lapa, aba nga yi kuzwa ukufa. ba ze ba bone umbuso ka Tixo. Mat. 16. 28. Mat. 16. 28. Mark 9. 1.

28 Kwa ti emva kwa lokukushumayela ku nga ti izinsuku ezishiyagalombili, wa tabata uPetro noJohane noJakobe wa kupuka wa ya entabeni ukukuleka. Mat. 17. 1-8. Mark 9. 2-8.

29 Kwa ti ekukulekeni kwake, isimo sobuso bake sa penduka, ingubo yake ya ba mhlope, ya kazimula.

30 Bheka, amadoda amabili a kuluma naye, ku ngoMosi noElija;

31 A bonakala ngokukazimula, a kuluma ngokumuka kwake, a be za kufeza eJerusalema.

32 Kodwa uPetro naba be naye ba sindwa ubutongo; se be vukile, ba bona ukukazimula kwake, naniadoda amabili e mi naye. Dan. 8. 18. & 10. 9.

33 Kwa ti, e mukile kuye, uPetro wa ti kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba si lapa; a sake amadokodo amatatu, elinye li be e lako, nelinye li be e lika<sup>s</sup> Mosi, nelinye li be e lika Elija, e nga kwazi a ku tyoyo.

34 E sa kuluma okunjalo, kwa fika ifu la ba sitibezu; besaba ekungeneni kwabo efwini.

35 Kwezwakala izwi li vela efwini li ti, Lo u iNdodana yami etandiweyo, i zweni. Mat. 3. 17. Imis. 3. 22.

36 Se li dhlulile izwi, uJesu wa funyaniswa e yedwa. Ba tula, a ba tyelanga umuntu nga leyomihla uto, aba be lu bonile. Mat. 17. 9.

37 Kwa ti ngangomso, se behlile entabeni, abantu abaningi ba m hlangabeza. Mat. 17. 14-18. Mark 9. 14-27.

38 Bheka umuntu esixukwini wa meza wa ti, Mfundisi, ngi ya kuleka

kuwe, bheka indodana yami, loku i yodwa yami.

39 Umoya u ya i bamba, i kale masinyane; u ya i hxebula i kihlize amagwebu, u ya i nqoba, a i yeke kalukuni.

40 Nga nxusa abafundi bako ukuba ba m kipe; bahluleka.

41 uJesu wa pendula wa ti, Au, sizukulwane esingakolwayo nesipambukileyo, ngo ba nani ngi ni bekezelele ku ze ku be nini na? Leta lapa indodana yako.

42 I se za, idemone la yapula la i hxebula. uJesu wa kuza umoya omubi, wa pilisa umntwana, wa m buyisela kuyise.

43 Ba mangala bonke ngobukulu buka Tixo. Be sa mangele bonke ngako konke a kwenzileyo, wa ti kubafundi bake,

44 Bekani lawamazwi ezindhlebeni zenu; iNdodana yomuntu i ya kunikekwa ezandhleni zabantu. Mat. 17. 22.

45 Kodwa a be zwisanga lokukutyo, ba ku fihlelwa, ba nga ku qondi; besaba ukumbuza lokukutyo.

isa. 2. 50. & 18. 34.

46 Kwa vela ukupikisana pakati kwa ubo ukuba umkulu ubani kubona.

Mat. 18 1-5. Mark 9. 34-37.

47 uJesu, se e bonile ukuzindhla kwezinhlizyo zabo, wa tabata umntwana wa m beka nga kuye,

48 Wa ti kubo, Owamkela lomntwana ngegama lami u ngamkela mina, o ngamkelayo wamkela o ngi tumileyo; omnchinyane pakati kwenu nonke lowo u ya kuba mkulu. Mat. 10. 40.

Mat. 23. 11, 12. John. 12. 44. & 13. 20.

49 uJohane wa pendula wa ti, Nkosi, Sa bona umuntu e kipa amademone ngegama lako; sa m nqabela, ngokuba e nga landeli nati. Mark 9. 38-40.

Imib. 11. 28.

50 uJesu wa ti kuye, Ni nga m nqabeli; o ngalani nati u mi nati.

Mat. 12. 30. isa. 11. 23.

51 Kwa ti se zi pelile izinsuku zokuba a kutyulwe, wa bhekisa ubuso bake ukuya eJerusalema. Mark 16. 19.

52 Wa tuma izigijimi pambi kwake, za ya za ngena emziini wamaSamaria, ukuba zi m lungisele,

53 A ba m amkelanga, ngokuba ubuso bake ba bu qonda eJerusalema.

John. 4. 4, 9.

54 Abafundi bake, uJakobe noJohane, se be bonile loku, ba ti, Nkosi, u ya ta-

nda si tyo ukuba umlilo wehle ezulwini, u ba qede njengokwenziwa uElija na?

2 Ama. 1. 10, 12.

55 Wa guquka, wa ba sola, wa ti, A nazi ini ni ngabomoya muni na?

56 iNdodana yomuntu a i zanga ukububisa abantu, yezu ukubasindisa. Ba ya komunye umuzi. John. 3. 17. & 12. 47.

57 Kwa ti, be sa hamba endhlehleni, umuntu otile wa ti kuye, Nkosi, ngo ku landela lapo u ya kona. Mat. 8. 19-22.

58 uJesu wa ti kuye, Izimpungutye zi nemigodi, izinyoni zezulu zi nezindhlu, kodwa iNdodana yomuntu a i nandawo e nga camela kuyo.

59 Wa ti komunye, Ngi landele. Wa ti lowo, Nkosi, ngi vumele ngi ye, ngi mbele ubaba kuqala.

60 uJesu wa ti kuye, Yeka abafileyo ba mbele abafileyo babo; hamba wena, u shumayeke umbuso ka Tixo.

61 Omunye wa ti, Nkosi, ngi ya kukulandela, kodwa ngi vumele, ngi qale ngi ye ngi ba vaelise aba sekaya.

1 Ama. 19. 20.

62 uJesu wa ti kuye, A ku ko umuntu, nxa e beka isandhla sake egejeni, a buke ngasemva, o fanele umbuso ka Tixo.

### ISAHLUKO 10.

**E**MVA kwa loku iNkosi ya misa abanye abamashumi a isikombisa, ya ba tuma ngababili pambi kwayo ukuya emizini yonke na sezindaweni zonke, e be za kuya kuzo. Mat. 10. 1. Mark 6. 7.

2 Ya ti kubo, Ukuvuna ku kulu, kodwa abasebenzi ba incozana; kulekani eNkosini yokuvuna, ukuba i tumele abasebenzi ekuvuneni kwayo.

Mat. 9. 37, 38. John. 4. 35. 2 Tes. 3. 1.

3 Hambani; bhekali, ngi ya ni tuma ni njegezimvu pakati kwezimpisi.

Mat. 10. 16.

4 Ni nga pati isikwana, naika, nazicatulo; ni nga bingeleli umuntu endhlehleni. Mat. 10. 9-15. Mark 6. 8-11. isa. 9. 3.

2 Ama. 4. 29.

5 Nxa ni ngena endhlini, ni qale ni ti, Ukutula a ku be ku lendhlu.

6 Uma ku kona indodana yokutula, ukutula kwenu ku za kuhlala kuyo; uma i nge ko, ku za kubuyela kini.

7 Hlalani ku leyondhlu, ni dhle, ni puze okwabo; osebenzayo u fanele inkokelo yake; ni nga dhluli izindhlu ngezindhlu. 1 Kor. 10. 27. & 9. 4. 1 Tim. 5. 18.

8 Nxa ni ngena emzini, ba namkele, yidhlani eni ku bekelwayo;

9 Ni pilise abagulayo aba kuwo, ni ti kubo, Umbuso ka Tixo se u sondele kini.

isa. 9. 2. Mat. 3. 2 & 4. 17.

10 Nxa ni ngena emzini, be nga namkeli, pumelani ezindhlehleni zawo, ni ti,

11 Utuli lomuzi wenu olu namatele kitina, si, ya lu hlangulela kini; kepa nazi loku ukuti, umbuso ka Tixo u sondele kini. isa. 9. 5. Imis. 13. 51. & 18. 6.

12 Ngi ti kini, ku za kuba lula eSodoma nga lolusuku ku na ku lowomuzi.

13 Nako kuwena, Korazini? nako kuwena, Betsaida! uma imisebenzi emikulu enziwe kuwe, i be yenziwe eTire neSidone, nga se kade ba penduka ba hlala ngendwangu yokulila, na ngomlota. Mat. 11. 21. Hez. 3. 6.

14 Kodwa ku ya kuba lula eTire neSidone ngosuku lokwahlula ku na kinina.

15 Nawe, Kapernaume, o pakanyiselwa ezulwini, u ya kweliselwa ehaidese. Mat. 11. 23.

16 O ni zwayo, u ya ngi zwa; o ni delayo, u ya ngi dela; o ngi delayo, u ya m dela o ngi tumileyo. Mat. 10. 40.

Mark 9. 37. 1 Tes. 4. 8. John. 5. 23.

17 Abamashumi a isikombisa ba buya be jabula, ba ti, Nkosi, nawo amadomone a ya si lalela ngegama lako.

18 Wa ti kubo, Nga bona uSatani e wa ezulwini njengonyazi. John. 12. 31.

Isam. 12. 8.

19 Bhekali, ngi ya ni nika amandhla okunyatela izinyoka, nofuzela, ni wahlule amandhla onke esita; a ni yi koniwa luto. Mark 16. 18. Imis. 28. 5.

20 Kepa ni nga jabuli ngaloku, ukuti, omoya ba ni lalela; jabulani ngokuba amagama enu a lotyiwe ezulwini.

Eks. 32. 32. Isai. 4. 3.

21 Nga lesosikati uJesu wa tokoza emoyeni, wa ti, Ngi ya ku bonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba u ba fililele abahlakanipileyo nabaqondayo lezizinto, wa zi bonakalisa ezinganeni; yebo, Baba, ngokuba loku kwaku lungile kuwe. Mat. 11. 25-27.

22 Konke ku nikelwe kimi nguBaba; a ku ko oaziyo iNdodana, ukuba i ngubani, kupela uYise; a ku ko o m aziyo uYise ukuba u ngubani, kupela iNdodana, na lowo iNdodana e tanda ukumbonakalisa kuye.

23 Wa guquka wa ti kubafundi bake bodwa, A busisiwe amehlo a zi bonayo izinto eni zi bonayo. Mat. 13. 16, 17.

24 Ngi ti kini, abaprofeti namakosi amaningi ba be tanda ukubona lezizinto eni zi bonayo a ba zi bonanga nokuzwa lezi zinto eni zi zwayo a ba zi zwanga.

25 Bheka, kwesuka ummeli, wa m linga, e ti, Mfundisi, ngi ngenzani, ngi dhle ifa lokupila okupakade na?

Mat. 22. 35.

26 Wa ti kuye, Ku lotyweni emtetweni na? u funda kanjani?

27 Wa pendula wa ti, Wo tanda iNkosi, uTixo wako, ngenhliziyo yonke yako, nangompefumlo wonke wako, na ngamandhla onke ako, nowakelene nawe njengokuzitanda kwako. Dat. 6. 5.

Levi 19. 18.

28 Wa ti kuye, U pendule kahle, yenza loku, wo pila. Levi 18. 5. Neh. 9. 29.

29 Kodwa e tanda ukuzitetelela, wa ti kuJesu, Owakelene nami u ngubani na?

isa. 16. 15.

30 Wa pendula uJesu wa ti, Kwa ku kona umuntu owehla eJerusalema ukuya eJeriko, wa funyanwa abapangi, ba m hlubula izingubo, ba m limaza, bemuka, be m shiya e za kufa.

31 Kwa ti kwehla nga leyondhlela umpristi, e m bona wa gwema kuye.

Izihl. 38. 11.

32 Njalo nomLevi, e fike ku leyondawo, weza wa m bona, wa gwema kuye.

33 Kepa umuntu wa seSamarina e hamba wa fika kuye, se e m bone, wa m haukela.

John. 4. 9.

34 Wa ya kuye, wa bopa amanxeba ake, e fela amafuta newaini, wa m kwelisa esilwaneni sake, wa m zisa endhlini yezihambi, wa m geina.

35 Ngangomso e sa hamba, wa kipa odenario ababili, wa ba nika umnini-ndhlu, wa ti kuye, M geine; na loku o kwelekelana ngo ku nika kona ekubuyeni kwami.

36 U tini wena, u mupi ku lababatafu o ngowakelene naye owa funyanwa abapangi na?

37 Wa ti, Owa m enzela umusa. uJesu wa ti kuye, Hamba nawe, wenze njalo.

38 Kwa ti ekuhambeni kwabo, wa ngena emzini otile; owesifazana, igama lake uMarta wa m amakela endhlini yake.

John. 11. 1. & 12. 2, 3.

39 Wa e nodade wabo o tiwa uMaria, owa hlala nga sezinyaweni zika Jesu, wa li zwa izwi lake.

isa. 8. 35.

40 Kodwa uMarta wa katazeka ngokukonza okukulu; weza wa ti, Nkosi,

a u katelele ini ngokuba udade wetu u ngi shiyile ngi konza ngedwa na? Yityo kuye ukuba a ngi size.

41 uJesu wa pendula wa ti, Marta, Marta, u nakakele, u katazeka ngezinto eziningi.

42 Kepa ku dingeka into inye; uMaria u ketile isabelo esilungileyo, a nga sa yi kwapucwa sona.

Izihl. 27. 4.

## ISAHLUKO 11.

**K**WA ti ekukulekeni kwake endaweni ketile, se e qedile, omunye kubafundi bake, wa ti kuye, Nkosi, si fundise ukukuleka, njengoJohane wa ba fundisa abafundi bake.

2 Wa ti kubo, Nxa ni kuleka, ni ti, Baba [wetu o sezulwini,] Ma li hlontywe igama lako. Umbuso wako ma u ze. [Intando yako ma yenziwe emhlabeni njenga sezulwini.]

Mat. 6. 9-13.

3 U si pe ukudhla kwetu okwaneleyo imihla ngenihla.

4 U si tetelele izono zetu, ngokuba tina si ba tetelela bonke aba namacala kitina. U nga si ngenisi ekulingweni, [kodwa u si sindise kuko okubi.]

5 Wa ti kubo, U mupi kinina o nomhlobo, a suke, a ye kuwo pakati kobusuku, a ti, Mngane wami, ngi boleke izinkwa zi be zintatu;

6 Ngokuba u pambukele kimi umhlobo wami, u ya hamba, kepa a ngi nanto yokubeka pambi kwake;

7 A pendule opakati a ti, U nga ngi katazi, se ku valiwe umnyango, abantwana bami ba kona nami embedeni, a ngi nakuvuka ngi ku nike.

8 Ngi ti kini, Noma e nga vuki, a m nike, ngokuba u umhlobo wake, kepa ngokuqinisa kwake, u ya kuvuka, a m nike loku a ku funayo.

isa. 18. 1-6.

9 Ngi ti kini, Celani, ni ya ku piwa, funani, ni ya kufumana; gqongqotani, ni ya kuvulelwa.

Mat. 7. 7-11.

10 Bonke abacelayo ba yamkeliswa; nofunayo u ya fumana; nogqongqotayo u ya vulelwa.

11 U mupi uyise kini, indodana i cela isinkwa, wo i pa itye na? nokuba i cela inhlauzi, wo i nika inyoka, e nga i niki inhlauzi na?

12 Uma i cela iqanda; wo i nika ufezela na?

13 Uma nina, ni nga lungile, nazi ukubapa abantwana benu izipo ezimhle, kakulu uYihlo wenu o sezulwini wo ba pa abacelayo kuye uMoya o ingewele.



14 Wa e kipa idemone, la li isitulu; kwa ti, se li pumile idemone, o isitulu wa kuluma; abantu ba mangala.

Mat. 9. 32-34. & 12. 22-24.

15 Abanye kubo ba ti, U ya kipa amademone ngoBelzebule, inkosi yamademone.

16 Abanye ba m linga, ba funa kuye isibonakaliso sa sezulwini. Mat. 16. 1.

17 Kodwa e zazi izizindhlo zabo wa ti kubo, hlowo umbuso owahlukeneyo wodwa, u ya citeka, nendhlu eyahlukene nendhlu i ya wa. Mat. 12. 25-29.

Mark 3. 24-27. John. 2. 25.

18 Uma uSatani wahlukene yedwa, umbuso wake u ya kuma kanjani na? loku ni ti, ngi kipa amademone ngoBelzebule.

19 Uma ngi kipa amademone ngoBelzebule, abantwana benu ba wa kipa ngobani na? Njalo bo ba abahluli benu.

20 Keba uma ngi kipa amademone ngomunwe ka Tixo umbuso ka Tixo se u fikile kini. Eks. 8. 19.

21 Uma isiqwaga si hlomile, si linda indhlu yaso, impahla yaso i ya geineka;

22 Kodwa uma ku fika o sahlulayo, a si ngobe, a samuke izikalizaso, e be si tembile kuzo, a kwabele esi ku pangileyo.

23 O nge nami u pambene nami, no nga buti nami u ya cita. Mat. 12. 30.

24 Nxa umoya omubi e pume kumuntu u ya dabula izindawo ezomileyo, a fune ukupumula, e nga ku fumani, u ti, Ngo buyela endhlini yami e nga puma kuyo. Mat. 12. 43.

25 Se e fikile u i fumana i tyaneliwe, i hlotyisiwe.

26 Koua u ya tabate abanye omoya aba isikombisa ababi ku naye, ba ngene, ka hlale kona; ku ti ukupela kwa lomuntu kubi ku nokuqala.

27 Kwa ti, e sa shumayela loku, umfazi wa sebantwini wa memeza wa ti kuye, Si busisiwe isisu esa ku twalayo, namabele owa wa neelayo. isa. 1. 48.

28 Wa ti yena, Yebo, kakulu, ba ya busiswa aba li zwa izwi lika Tixo, ba li londe. Mat. 7. 21. isa. 8. 21. Jak. 1. 25.

29 Se be butene abantu, wa qala ukuti, Isizukulwane lesi si ya funa isibonakaliso sika Jona umprofeti.

Mat. 12. 38-42.

30 NjengoJona wa be e isibonakaliso

kwaba seNineva, njalo iNodana yomuntu i ya kuba ku lesisizukulwane.

Jona 1. 17. & 2. 10.

31 Inkosikazi ya seningizimu i ya kusuka i me ekwahluleni kanye nabantu ba lesisizukulwane, i ba lahle, ngokuba yeza i vela ekupeleni komhlaba ukuzwa ukuhlakanipa kuka Solomon; bhekani, nangu omkulu ku noSolomona.

1 Ama. 10. 1.

32 Abantu ba seNineva ba ya kusuka beme ekwahluleni kanye na lesisizukulwane, ba si lahle, ngokuba ba penduka ngokushumayela kuka Jona; bhekani, nangu omkulu ku noJona. Jona 3. 5.

33 A ku ko umuntu o sokela isibani, a si beke endaweni esitekileyo, na ngapansi kwesitya; u ya si beka otini lwaso, ukuba abangenayo ba bone ukukanya. Mat. 5. 15. Mark 4. 21. isa. 8. 16.

34 Ukukanya komzimba ku iso; njalo uma iso lako lihle, ko kanya umzimba wonke wako; kodwa uma libi, kumnyama umzimba wako. Mat. 6. 22.

35 A ku qonde, funa ku be mnyama ukukanya oku kuwe.

36 Uma ku kanya umzimba wonke wako, u nga bi nandawo emnyama, u ya kukanya wonke, njenga lapo isibani si ku kanyisa ngokukazimula kwaso.

37 E sa kuluma, umFarisi o tile wa m uxusa ukuba a dhle naye; wa ngena wa cambalala ekudhleni.

38 umFarisi se e bone wa mangala ngokuba e dhla e nga ka hlambi.

Mark 7. 3.

39 iNkosi ya ti kuye, Nina baFarisi ni hlanza indebe nesitya ngapandhle, kodwa nagapakati ni gewele ukupanga nokubi. Mat. 23. 25. Titusi 1. 15.

40 Nina ziula, okwenzayo okungapandhle a kenzanga nokungapakati na?

41 Kodwa babeleni okungapakati; kona konke ku hlazekile kini.

isa. 12. 33.

42 Kodwa nako kinina, baFarisi! ni tela ngokweshumi imiunte nerue nemityana yonke, ni yeke ukwahlula nokumtanda uTixo; nga ni kwenze loku ni nga ku yeki na loko. Mat. 23. 23.

43 Nako kinina baFarisi! ni tauda izihlalo ezi pambili ezindhlini zokusonta, nokubingelelwa ezindaweni zokubutana. Mat. 23. 6. Mark 12. 39.

44 Nako kinina, ni njengamatuna angabonakaliyo, abantu aba hamba pezu kwayo be nga wazi. Mat. 23. 27.

45 Wa pendula omunye kubameli, wa

ti kuye Mfundisi ngokutyo loku u ya si tuka nati.

46 Wa ti, Nako na kinina, bameli! ni ba twesa abantu imitwalo esindayo, nina a ni pati leyomitwalo na ngamunwe munye wenu. Mat. 23. 4.

47 Nako kinina, ni waka amatuna abaprofeti, oyihlo ba ba bulala. Mat. 23. 29.

48 Impela ni qinisela, ni vumela imisebenzi ya woyihlo, ngokuba bona ba ba bulala, nina ni sa waka amatuna abo.

49 Ngaloko kwa tyo nokuhlakanipa kuka Tixo ukuti, Ngi ya kubatumela abaprofeti nabapostoli, abanye bo ba bulala ba ba hlupe. Mat. 23. 34.

50 Ukuba ku bizwe ku lesisizukulwane igazi labaprofeti bonke elacitwayo, iloku kwa dabuka umhlaba;

51 Ku suka egazini lika Abela ku ze ku fike egazini lika Zakaria, owa bulawa pakati kwelati netempeli; yebo, ngi ti kini, Li ya kubizwa ku lesisizukulwane. Gen. 4. 8. 2 Kron. 24. 20, 21.

52 Nako kinina, bameli! ni susile isihlutulo sokwazi, a ni ngenanga nina, na ba vimbela abangenayo. Mat. 23. 13.

53 E sa shumayela loku kubona, ababali nabaFarisi ba qala ukumxamela kakulu, nokumyenga a pendule ngezinto eziningi.

54 Ba m hlomela be funa ukubamba izwi eli puma emlonjeni wake, ukuba ba m tolise icala. Mark 12. 13.

### ISAHLUKO 12.

**N**GA lenkati, se be butene abantu abazizinkulungwane, ba za ba nyatelana, wa qala ukuti kubafundi bake, Xwayani imvubelo yabaFarisi, e ngukuzenzisa. Mat. 16. 6. Mark 3. 15. Mat. 16. 12.

2 A ku ko okusitekileyo oku nga yi ku bonakaliswa, nokufihliweyo oku nga yi kwaziwa. Mat. 10. 26-33.

Mark 4. 22. isa. 8. 17.

3 Loko eni ku tyiloyo ebunyameni; ku ya kuzwiwa ekukanyeni; na loko eni ku kulumile endhlebeni emagumbini, ku ya kushunyayelwa pezu kwezindhlu.

4 Ngi ti kini, zihlobo zami, Ni nga besabi aba bulala umzimba, be nga buyi benze luto ngasemva kwaloko.

John. 15. 13-15.

5 Ngi ya kunibonisa eni ya kumesaba. M esabeni lowo, se e bulele, o namandhla okuponisa egehena; yebo, ngi ti kini, M esabeni lowo.

6 A ku tengwa ini imizwilili e isihlalanu ngopeni ababili na? A ku kohlakele namunye kuyo pambi kuka Tixo.

7 Yebo, ku baliwe izinwele zonke zamakanda enu, Ma ni ngesabi; ni ya i dhlula imizwilili eminingi.

8 Ngi ti kini, Lowo o ngi vuma pambi kwabantu, iNdodana yomuntu i ya kumvuma pambi kwezingelosi zika Tixo.

9 O ngi pika pambi kwabantu, u ya kupikwa pambi kwezingelosi zika Tixo.

10 Lowo o kuluma izwi elibi ngeNdodana yomuntu, a nga tetelelwa; kodwa o tuka uMoya o ingewele a nge tetelelwe. Mat. 12. 31. Mark 3. 28.

11 Nxa be ni yisa ezindhlini zokusonta, na sezinduneni, na semakosini, ni nga kataleli ukuba ni ya kupendulani na kanjani, nokuba ni ya kukulumani; Mat. 10. 19. Mark 13. 11.

12 uMoya o ingewele u ya kunifundisa nga lesosikati okufanele ni ku kulume.

13 Omunye kubantu wa ti kuye, Mfundisi, yityo kumfo wetu ukuba ahlululane ifa nani.

14 Wa ti kuye, Wena muntu, ubani o ngi misile, ngi be umahluli namahlukani pakati kwenu na? John. 18. 36.

15 Wa ti kubo, Bhekani, ni wwaye ukufisa; ukupila komuntu a ku mi ngefufuyo yake evamileyo. 1 Tim. 6. 6-11.

16 Wa shumayela umfanekiso kubo, e ti, Izwe lomuntu efuyileyo la tela kahle.

17 Wa zizindhlela wa ti, Ngi ya kwenze njani? loku ngi nge nandawo, engi nga beka kuyo ukudhla kwami.

18 Wa ti, Ngi ya kwenza loku; ngi ya kucita izindhlu zami, ngi zake ezinkulu, ngi butele kona konke ukudhla kwami, nempahla yami,

19 Ngi ti kumpefumlo wami, Mpefumlo, u nemfuyo eningi e bekelelwe iminyaka eminingi; a ku pumule, u dhle, u puze, u jabule. Ums. 11. 9. 1 Kor. 15. 32. Jak. 5. 5.

20 uTixo wa ti kuye, Wena siula, nga lobubusuku umpefumlo wako u ya kubizwa kuwe; konake lezizinto o zi bekeleleyo, zi ya kuba ezika bani na?

Jobe 27. 8. Izihl. 52. 7. Jak. 4. 14.

Izihl. 39. 6. Jer. 17. 11.

21 U njalo o zibekela imfuyo, e nga bi nangebo kuTixo. Mat. 6. 20.

1 Tim. 6. 18, 19. Jak. 2. 5.

22 Wa ti kubafundi bake, Njalo ngi ti kini, Ni nga kataleli ukupila kwenu, ukuba ni ya ku dhlani, na ngomzimba ukuba ni ya kwambatani. Mat. 6. 25.

23 Ukupila ku ya dhlula ukudhla, nomzimba u ya dhlula izivato.

24 Qondani izingwababana; a zi hlwayeli, a zi vuni, a zi nazindhlu, a zi nanngobo; kepa uTixo u ya zondhla; nina ni zi dhlula izinyoni kakulu.

Jobe 38. 41. Izihl. 147. 9.

25 U mupi kini o ngeleka ubude bake ingalo inye ngokukatalela na?

26 Uma nahluleka ngento encinyane, ni katalela okunye ngani na?

27 Qondani iminduze, ukumila kwayo; a i sebenzi, a i poti; kepa figi ti kini, noSolomona ngokukazimula konke kwake ka hlobisanga okwayo.

28 Uma uTixo embesa njalo utyani ba sendhla, obu kona nambahla, ngangomso bu ponswe eziko, a ka yi kunembesa kakulu nina ba nokukolwa okuncinyane na?

29 A ni nga funi eni ya kukudhla, neni ya kukupuza; ni nga ngabazi.

30 Loku konke ku funwa izizwe zomhlaba; kepa uYihlo wenu u yazi ukuba ni swele loku.

31 Kodwa funani umbuso ka Tixo, kona konke loku ku ya kunelekelwa nina.

Mat. 6. 33.

32 Ni ngesabi, mhlambi omncinyane, loku uYihlo e tanda ukuninika umbuso.

Mat. 11. 25, 26.

33 Tengani ngeni nako, nabele; ni zenzele izikwama ezingagugiyi, imfuyo ezulwini enganqamukiyi, lapo ku nga fiki isela, nenundu i nga dhli.

Mat. 6. 20. & 19. 21. isa. 16. 9.

34 Lapa i kona imfuyo yenu, i ya kuba kona nenhliziyo yenu.

35 A zi me zi botyiwe izinkalo zenu, nezibani zenu zi banekwe; Mat. 25. 1-13.

36 Ni be njengabantu aba bheka inkosi yabo, i buye emtimbeni, ukuba nxa i fika i ngqongqota, ba i vulele masiyane.

37 Zi busisiwe lezozincku, inkosi yazo i fika i zi fumane zi linda; ngi qinisile ngi ti kini, i ya kuzibopa yona, i zi hlalise ekudhleni, i suke i zi konze.

Mat. 24. 46.

38 Uma e fika ngomlindo wesibili, noma e fika ngomlindo wesitatu, a zi fumane zi njalo, zi busisiwe lezozincku.

39 A ke nazi loku, ukuti, uma umuinindhlu e be sazi isipi isikati, e be li za kufika ngaso isela, nga e lindile, e nga vumi, ku fohlwe indhlu yake.

Mat. 24. 43-51.

40 A ni be lungile nani, ngokuba

iNdodana yomuntu i nga fika ngesikati eni nga si qondiyo.

Mat. 25. 13.

Mark 13. 33. isa. 21. 34, 36.

41 uPetro wa ti kuye, Nkosi, u shumayela lomfanekiso kitina, nokuba kubo bonke na?

42 iNkosi ya ti, I ipi incku eqinisileyo neqondileyo, inkosi e ya kuimisela pezu kwendhlu yayo, ukuba i babele ukudhla kwabo ngesikati esifaneleyo.

Mat. 25. 21.

43 I busisiwe leyonceku, inkosi, se i fikile, e ya i fumana yenza njalo.

44 Ngi qinisile ngi ti kini, i ya kuimisela pezu kwako konke e nako.

45 Kepa uma leyonceku i ti enhliziweni yayo, Inkosi yami i libele ukuzi, i qala ukutyaya izincku zesilisa nezesifazana, i dhle, i puze, i dakwe;

46 Inkosi ya leyonceku i ya kufika ngosuku e nga i bheki ngalo, na ngesikati e nga saziyo, i i nqume kabili, i i nike isabelo ndawonye nabangakolwayo.

47 Leyonceku e yazi intando yenkosi yayo, i nga zilungisi, i nga yenzi intando yayo, i ya kutyaywa ngemivimbo eminingi.

Imib. 15. 30. Dut. 25. 2.

48 Kodwa ongaziyo, kepa wenze okufanele imivimbo, u ya kutyaywa ngemivimbo e incozana. Lowo o piwa okuningi, ko bizwa okuningi kuye; na lowo oku bekelwa kuye okuningi, ko bizwa kakulu kuye.

Levi 5. 17. 1 Tim. 1. 13.

49 Ngi ze kuponsa umlilo emhlabeni; ngi tandani, uma u su rutile?

50 Kodwa ngi nokubapatizwa engi za kubapatizwa ngako, ngi cindezelwa kangaka ku ze ku fezeke!

Mat. 20. 22. Mark 10. 38.

51 Ni ti ngi ze kunika ukutula emhlabeni na? Qa, ngi ti kini, ngi ze kunika ukwahlukana.

Mat. 10. 34, 35.

52 Ba se ya kuba abahlanu endhlini inye bahlukene, abata tu nababili, ababili nabata tu.

53 Uyise u ya kwahlukana nendodana, indodana noyise; unina nendodakazi, indodakazi nonina; uninazala nomalukazana, umalukazana noninazala.

54 Wa ti kubantu, Uma ni bona ifu li kupuka entyonalanga, ni ti masinyane, Li za kuna; ku njalo.

Mat. 16. 2.

55 Uma ni bona umoya wa seningizimu u pepeta, ni ti, Li za kubalela; ku njalo.

56 Nina bazenzisi, ni yazi ukuqikelela ukuma kwezulu nomhlaba, ni nga qikeleli ngani lesisikati na?

57 Yebo, a nahluleli ngani ngokwenu okulungileyo na?

58 Lapo u ya enkosini nokumangaleleyo, u sendhleleni, linga ukuba u kululwe kuye, funa a ku hudulele kumahluli, umahluli a ku nikele kulo ipolise, ipolise li ku fake etilongweni. Mat. 5. 25.

59 Ngi ti kuwe, a u yi kupuma kona, u ze u koke imalana yokupela.

ISAHLUKO 13.

**K**WA ku kona nga lesosikati abanye aba be shumayela kuye ngaba seGalile, igazi labo uPilatu wa li xubanisa nemihlatyelo yabo.

2 uJesu wa pendula wa ti kubo, Ni ti labo ba seGalile ba be izoni bu nabo bonke aba seGalile, ngokuba be hlupeka izinto ezinje na?

3 Qa ngi ti kini; kodwa uma ni nga penduki, ni ya kububa nani nonke.

4 Na labo aba ishumi neshiyagalombili, owa wela pezu kwabo umbotyongo wa seSiloma wa ba bulala, ni ti labo ba be izoni ku nabantu bonke abakeleyo eJerusalema na?

5 Qa, ngi ti kini; kodwa uma ni nga penduki, ni yakububa nani nonke.

6 Wa shumayela lomfanekiso wokuti, Umuntu otile wa e nomkiwane u tyaliwe esivini sake; weza wa funa izitelo kuwo wa e nga zi fumananga. Isai. 5. 2.

Mat. 21. 19.

7 Wa ti esisebenzini sesivini Bheka, leminyaka emitatu ngi za ngi funa izitelo ku lomkiwane, ngi nga zi fumanani; u nqume, u wona ngani umhlabati na?

8 Wa pendula wa ti kuye, Nkosi, u yeke nonyaka, ngi ze ngi mbe kuwo, ngi tele umquba:

9 Uma u tela izitelo, kuhle; kodwa uma u nga teli, kona u ya kuunquma.

10 Wa e fundisa endhlini yokusonta ngesabata.

11 Bheka, wa e kona umfazi owa e nomoya wesifo iminyaka e ishumi neshiyagalombili, wa kokoba, e ngez a lulame nokululama.

12 uJesu e m bona, wa m biza, wa ti kuye, Mame, u kululwe esifweni sako.

13 Wa beka izandhla pezu kwake, wa lulama masinyane wa bongu uTixo.

Mark 16. 18. Imis. 9. 17.

14 Inkosi yendhlu yokusonta ya pendula, i canukele, ngokuba uJesu e pilise ngesabata, ya ti kubantu Ku kona izinsuku ezi isitupa oku nga setyenzwa

ngazo; a ke ni ze nga lezo, ni piliswe, ni ngezi ngosuku lwesabata. Eks. 20. 9.

Mat. 12. 10. isa. 14. 3.

15 Ya m pendula iNkosi, ya ti, Wena mzenzisi, ilowo wa kini a ka kumuli ini ngesabata inkabi yake, nokuba imbongolo yake emkombeni, a i hole ukui-puzisa na? isa. 14. 5.

16 A ku fauele ini ukuba lowo, o indodakazi ka Abrahamana, o botywa uSatani leminyaka e ishumi neshiyagalombili, a kululwe ku lesisibopo ngosuku lwesabata na? isa. 16. 9.

17 Se i tyilo loku, ba jaba bonke aba be pikisana nayo; kepa abantu bonke ba tokoza ngemisebenzi emikulu eyenziwe iyo.

18 Wa ti, Umbuso ka Tixo u fana nani na? Ngi ya kuufanisa nani na?

Mat. 13. 31-33. Mark 4. 30-32.

19 U fana nenhlamvu yesinapi, a i tabata umuntu, wa i tyala ensimini yake, ya mila ya ba umuti omkulu, izinyoni zezulu za hlala emagatyeni awo.

20 Wa buya wa ti, Umbuso ka Tixo ngi ya kuufanisa nani na?

21 U fana nemvubelo, a i tabata umfazi, wa i faka empupwini e izilinganiso ezintatu, ya za ya bila yonke.

22 Wa dabula emizini na semizaneni, e fundisa, e ya eJerusalema. Mat. 9. 35.

Mark 6. 6.

23 Wa ti omunye kuye, Nkosi, ba incozana abasindiswayo na? Wa ti kubo,

24 Zamani ukungena ngesango elincinyane; bawingi, ngi tyo kini, ba ya kufuna ukungena, bahluleke. Mat. 7. 13.

Rome 9. 31.

25 Nxa umninindhlu e suka a vale umnyango, ni qale ukuma ngapandhle, ni ngqongqote emnyango, ni ti, Nkosi, Nkosi si vulele, a pendule a ti kini, A ngi nazi lapa ni vela kona; Isai. 55. 6.

Mat. 25. 10, 12. isa. 6. 46.

26 Kona ni ya kuqala ukuti, Sa dhla, sa puza ebusweni bako, wa fundisa ezindhleleni zetu.

27 Kodwa u ya kuti, Ngi ti kini, a ngi nazi lapa ni vela kona; dedani kimi, nina nonke abenza okubi.

Mat. 7. 23. & 25. 41. Izihl. 6. 8.

28 Ku ya kuba kona ukukala nokuge-dhla amazinyo, lapo ni bona uAbrahamana, noIsaka noJakobe, nabo bonke abaprofeti be sembusweni ka Tixo, nina ni lahlelwa ngapandhle.

Mat. 8. 11, 12. & 13. 42. & 24. 51.

29 Ba ya kuvela empumalanga, na sentyonalanga, na senyakato, na seningizimu, ba cambalale ekudhlени embusweni ka Tixo.

30 Bheka, ba kona abokupela aba ya kuba abokuqala; ba kona abokuqala aba ya kuba abokupela. Mat. 19. 30. Mark 10. 31.

31 Kwa fika nga lolosuku abaFarisi abatile, ba ti kuye, Puma, u suke lapa, ngokuba uHerodi e funa ukukubulala.

32 Wa ti kubo, Hambani, ni ti ku lempungutye, Bheka, ngi kipa amademone, ngi pilisa abagulayo namhla na ngomso, ngi qede ngolwesitatu.

Heb. 2. 10.

33 Kodwa ku fanele ngi hambe namhla na ngomso, na ngomhlomunye, ngokuba ku nge ke kwenzeke unprofeti a bube ngapandhle kweJerusalem.

34 Jerusalema, Jerusalema, wena o bulala abaprofeti, u ba kanda ngamatye abatunyelwe kuwe, nga ngi tanda kangapi ukubutela ndawonye abantwana bako njengesikukukazi si butela amazinyane aso pansi kwamapiko aso; a ni vumanga. Mat. 23. 37.

35 Bhekani, se ni shiyelwe indhlu yenu i citeka. Ngi ti kini, a ni sa yi kungibona, ni ze ni ti, U busisiwe ozayo ngegama leNkosi. Levi 26. 31, 32.

Izihl. 69. 25. Isai. 1. 7. Mika 3. 12.

Izihl. 118. 26. Mat. 21. 9. Mark 11. 9.

isa. 19. 38. John. 12. 13.

#### ISAHLUKO 14.

**K**WA ti, e sa ngena endhlini yomunye kwaba izikulu zabaFarisi ngesabata, ukuba a dhle ukudhla, ba m hlomela.

2 Bheka, kwa ku kona umuntu pamibi kwake o kwelwa idropsi.

3 uJesu wa pendula wa ti kubameli nabaFarisi, Ku fanele ukupilisa ngesabata na? Mat. 12. 10.

4 Ba tula. Wa m tabata, wa m pilisa, wa m mukisa.

5 Wa ba pendula wa ti, U mupi wa kini, uma imbongolo, nokuba inkomo yake i wele emgodini, ka yi kuikipa masinyaue ngesabata na? isa. 13. 15.

6 Ba be nge nakumpendula ngaloko.

7 Wa shumayela umfanekiso kwabamenyiweyo, e ba bona be keta izihlalo ezipambili; wa ti kubo.

8 Uma u menyiewe umuntu ukuya emtimbeni, u nga hlali esihlalweni esipambili; ku nga ti, omkulu ku nawe a menyewe uye;

9 E ze omemileyo nobabili, a ti kuwe, Dedela lomuntu; kona u ya kuqala ukuya endaweni e senzansi, u jabile.

10 Kepa uma u menyiewe, hamba u hlale endaweni e senzansi, ukuba o ku memileyo, se e fike, a ti kuwe, Mngane, suka, wenyukele enhla; kona u ya kudunyswa ebusweni ba labo aba hlezi nawe ekudhlени. Amazwi 25. 6, 7.

11 Lowo o zipakamisayo, u ya kutotyiswa; nozitobisayo, u ya kupakanyiswa.

12 Wa ti kommemileyo, Uma wenza idili la semini, nokuba idili la kusihlwa, u nga memi abahlangana nawe, nabafo wenu, nezihlobo zako, nabakelene nawe abacebileyo funa ba buye, ba ku meme, u kokelwe.

13 Kodwa uma wenza idili, mema abampofu, nezilima, nezinyonga, nezimpumpute. Neh. 8. 10, 12.

14 U ya kubusiswa; a ba nakukukokela; u ya kukokelwa ekuvukeni kwabalungileyo.

15 Se e zwile loku, omunye kwaba be hlezi naye ekudhlени, wa ti kuye, U busisiwe lowo odhlayo ukudhla embusweni ka Tixo. Isam. 19. 9.

16 Wa ti kuye, Umuntu otile wenza idili elikulu, wa mema abaningi.

Mat. 22. 2-14.

17 Wa tuma inceku yake ngesikati sedili, ukuba a ti kwabamenyiweyo, Wozani, se ku lungile konke.

18 Kepa bonke ba qala ukuzilandulela kanyekanye. Owokuqala wa ti kuye, Ngi tengile izwe, nga ngi ya kulibona; ngi ya ku ncenga na ngi landulelwe.

19 Omunye wa ti, Ngi tengile izinkabi ezi ishumi, se ngi ya ukuzilinga; ngi ya ku ncenga, ma ngi landulelwe.

20 Omunye wa ti, Ngi ganiwe; nga loku ngi ngeze.

21 Leyonceku ya buya ya bika loko enkosini yayo. Kona wa tukutela umninindhlu, wa ti encekwini yake, Tyetya u pume, u ye ezindhleleni na semcingweni yomuzi, u lete lapa abampofu, nezilima, nezinyonga, nezimpumpute.

22 Ya ti inceku, Nkosi Se kwenziwe njengokutyo kwako, kepa ku se kona indawo.

23 Ya ti inkosi encekwini, Puma u ye ezindhleleni na sezintangweni, u ba qube ba ngene, ukuba i gewale indhlu yami.

24 Ngi ti kini a ka yi kuzwa ukudhla kwami namunye ku lababantu abamenyiweyo. Mat. 21. 43. Imis. 13. 46.

25 Kwa hamba naye abantu abanungi; wa penduka wa ti kubo,

26 Uma umuntu e za kimi, e nga zondi uyise, nonina, nomkake, nabantwana, nabafo wabo, nodade wabo, yebo, nokupila kwake, a nge be umfundi wami. *Dut. 13. 6. & 33. 9. Mat. 10. 37.*

*Rome 9. 13. Isam. 12. 11.*

27 No nga twali isipambano sake, a ngi landele, a nge be umfundi wami.

*Mat. 16. 24.*

28 U mupi kini, uma e tanda ukwaka inqaba, o nga qali a hlale, a bale imali yokwaka, a bone ukuba u nokwanele ukuiqeda;

*Amazwi 24. 27.*

29 Ku nga ti, se e bekile isisekelo, e nge namandhla okuqeda, bonke abaibonayo ba suke ba m hleke,

30 Be ti, Lomuntu wa qala ukwaka, wa e nge namandhla okuqeda.

31 I ipi inkosi, i suka i hlasela kwenye inkosi, e nga qali i hlale i qonde, ukuba i namandhla ngezinkulungwane ezi ishumi ukuhlangana nezayo kuyo, i nezinkulungwane ezimashumi amabili?

32 Kepa uma i nge nako, i se kude leyo, i ya tuma izigijimi e cele okukubuyisana.

33 Kunjalo lowo kini o nga shiyi konke a nako, a nge be umfundi wami.

34 Usaoti u lungile, kepa uma usaoti e dumele, ko yoliswa ngani na?

*Mat. 5. 13. Mark 9. 50.*

35 A u sa fanele umhlabati nomquba, u ya lahlwa ngapandhle. O nezindhlebe zokuzwa a kezwe.

### ISAHLUKO 15.

**K**WA ku sondela kuye bonke abatelisi nezoni ukumuzwa. *Mat. 9. 10.*

2 AbaFarisi nababali ba konona, be ti, Lomuntu u hlangana nezoni, a dhle nazo.

3 Wa shumayela lomfanekiso kubo wokuti, *Imis. 11. 3. Gal. 2. 12.*

4 U mupi umuntu kini o nezimvu ezikulu, ku lahleke enye kuzo, a nga zi shiyi ezimashumi ashiyagalolunye neshiyagalolunye ehlane, a ye kwelahlekileyo, a ze a i tole? *Mat. 18. 12.*

5 Se e i tolile, a i beke emahlombe e tokoza.

6 Ukufika ekaya a meme izihlobo zake, nabakelene naye, e ti kubo, Tokozani nami; se ngi i tolile imvu yami, e bi lahlekile. *1 Pet. 2. 10, 25.*

7 Ng i ti kini, kunjalo na sezulwini ku

kona ukutokoza ngesoni si sinye esi pendukile, ku nabalungileyo o bamashumi ashiyagalolunye neshiyagalolunye aba nga sweli ukupenduka. *isa. 5. 32.*

8 U mupi umfazi o neziuhlamvu zemali ezi ishumi, ku lahleke enye a nga sokeli isibani, a tyanele indhlu, a i funisise, a ze a i tole?

9 Se e i tolile, a meme izihlobo zake nabakelene naye, e ti, Tokozani nami; se ngi tolile inhlamvu yami e bi lahlekile.

10 Ku njalo ngi ti kini, ku kona ukutokoza ezingelosini zika Tixo ngesoni si sinye esi pendukile.

11 Wa ti, Umuntu otile wa e namadodana amabili;

12 Omcinyane wa ti kuyise, Baba, ngi pe isabelo semfuyo engi sabelwa. Wa bahlukanisela imfuyo. *Mark 12. 44.*

13 Kwa ti emva kwezinsuku ezi nga ka bi ziningi, indodana encinyane ya buta konke, ya hamba ya ya ezweni elikude, ya cita kona imfuyo yayo e hamba ngokonakala.

14 Se i qedile konke kwa ba indhlala enkulu ku lelozwe; wa qala ukuswela.

15 Ya ya ya tolwa umuntu wa lelozwe; wa i tuma ezweni lake ukuzalusa izingulube.

16 Ya fisa ukudhla amakasi a dhliwayo izingulube; ka i piwanga umuntu.

17 Ya qonda ya ti, Ziningi izisebenzi zika baba zi nokudhla okuningi, kepa mina ngi ya fa ngokulamba.

18 Ng i kusuka, ngi ye kubaba, ngi ti kuye, Baba, ngonile ezulwini na pambi kwako.

19 A ngi sa fanele ukutiwa indodana yako; ngenze ngi be njeungezisebenzi zako.

20 Ya suka yeza kuyise, Kepa i se kude, uyise wa i bona, wa i haukela, wa gijima, wa i gona ngentamo, wa yanga.

*Imis. 2. 39. Ef. 2. 13, 17.*

21 Ya ti indodana kuye, Baba, ngonile ezulwini na pambi kwako; a ngi sa fanele ukutiwa indodana yako.

*Izihl. 51. 4.*

22 Kodwa uyise wa ti ezincekwini zake, Kipani ingubo enhle, ni yambatise, ni fake indandato esandhlani sayo nezicatulo ezinyaweni zayo.

23 Ni lete itole elinonileyo, ni li hlabé, si dhle, si jabule.

24 Lendodana yami i bi file se i pilile; i bi lahlekile, se i toliwe. Ba qala ukujabula. *Ef. 2. 1. & 5. 14. Isam. 3. 1.*

25 iNdodana yake enkulu ya i sendhle ; i seza ya sondela endhlini, yezwa ukuhlabelela nokusina.

26 Ya biza inceku, ya buza ukuba ku ini loku.

27 Ya ti kuyo, U fikile umfo wenu ; uyihlo u hlabile itole elinonileyo, ngokuba e m zuzile e pilile.

28 Ya tukutela, i nga vumi ukungena. Wa puma uyise wa i ncenga.

29 Ya pendula, ya ti kuyise, Bheka, leminyaka eminingi ngi ku konza ; a ngi zanga ngeqe izwi lako ; kepa a wu ngi nikanga nazinyane lembuzi, ukuba ngi jabule nezihlobo zami.

30 Kepa lendodana yako, e bi citile imfuyo yako, i hlala nezifebe, se i fikile, wa i hlabela itole elinonileyo.

31 Wa ti kuyo, Mtanami, wena u nami ngezikati zonke ; konke e ngi nako ku ngokwako.

32 Ku fimele ukujabula nokutokoza ; umfo wenu lo, wa e file, u se pilile ; wa e lahlekile, u se toliwe.

ISAHLUKO 16.

**W**A ti kubafundi bake, Kwa ku kona umuntu o isicebi, e nenceku ; ya mangalelwa kuye kwa tiwa i cite impahla yake.

2 Wa i biza, wa ti kuyo, Ku ini loku engi ku zwa hgawe na? Landa ubunceku bako ; u nge be u sa ba inceku.

3 Ya ti inceku enhliziyweni yayo, Ngi ya kwenze ujani, loku inkosi yami i ngamuka ubunceku? ngi nge lime ; ukupanza ngi namahloni.

4 Se ngi kwazi e ngi za kwenza ukuba ba ngamkele ezindhlini zabo, uma ngi kityiwa ebuncekwini.

5 Ya biza bonke aba namacala enkosini yayo, ya ti kowokuqala, U necala li ngakanani eukosini yami na?

6 Wa ti, izigubu ezi ikulu zamafuta. Ya ti kuye, Tabata inewadi yako, u hlale masinyane, u lobe amashumi mahlanu.

7 Ya ti komunye, Wena u necala li ngakanani na? Wa ti kuyo, Amakora a ikulu amabele. Ya ti kuyo, Tabata inewadi yako, u lobe amashumi ashiyagalombili.

8 Inkosi ya babaza leyonceku engalungile, ngokuba yenze ngokuhlakanipa ; abantwana ba lelizwe ba hlakanipile ku nabantwana bokukanya ezizukulwaneni zabo. John. 12. 36. Ef. 5. 8.

1 Tes. 5. 5.

9 Ngi ti kini, Zenzeleni izihlobo ngenmfuyo yokungalungi, ukuba, se ku pele, namkelwe ezindhlini ezimapakade.

Dan. 4. 27. Mat. 6. 19. & 19. 21. isa. 11. 41.

10 O tembekile ngokuncinyane u tembekile na ngokukulu ; o nga lungile ngokuncinyane ka lungile na ngokukulu.

Mat. 25. 21. isa. 19. 17.

11 Uma ni nga tembekile ngenmfuyo engalungile, ubani o ya kunikela kini imfuyo eqinisileyo na?

12 Uma ni nga tembekile ngokwabanye, ubani o ya kuninika okwenu na?

13 A ku ko nceku e nga konza amakosi amabili ; i ya kuzonda enye, i tande enye, nokuba i bambelele kwenye i dele enye. Ni nge konze uTixo noMama. Mat. 6. 24.

14 abaFarisi abatanda imali bezwa konke loku, ba m eisa. Mat. 23. 14.

15 Wa ti kubo, Ni ngabazitetelela pambi kwabantu, kepa uTixo u ya zazi izinhliziyu : loku okukulu kubantu, ku nengeka kuTixo. isa. 10. 29. Izihl. 7. 9.

1 Sam. 16. 7.

16 Kwa ku kona umteto nabaprofeti wa za wa fika uJohane ; ku seloko umbuso ka Tixo u shunyayelwe, bonke ba panga ukungena kuwo. Mat. 11. 12, 13.

isa. 7. 29.

17 Ku lula ukuba ku dblule izulu nomhlaba, ku nokuba ku citeke ibalana li linye lomteto. Mat. 5. 18.

18 O lahla umkake, a ganwe omunye, u ya pinga ; na lowo o ganwa olahliweyo indoda, u ya pinga. Mat. 5. 32. & 19. 9.

19 Kwa ku kona umuntu o isicebi, owa embata izingubo ezibomvu nezinhle, e dhla okumnandi imihlala ngemihlala.

20 Kwa ku kona nompofu, igama lake li nguLazaru, owa bekwa nga sesangweni lake, e bidhlikile,

21 E fisa ukudhla invutuluka e wa esitebeni sesicebi ; kweza izinja za m koja izilonda.

22 Kwa ti ompofu wa fa, wa yiswa izingelosi esifubeni sika Abrahama. Sa fa nesicebi, sembelwa.

23 Si sehaidese sa bheka, si nobuhlungu, sa bona uAbrahama ekude, noLazaru e sesifubeni sake.

24 Wa memezwa ti, Baba Abrahama, ngi haukele, u tume uLazaru, a cwilise isihloko somunwe wake emanziini, eze kupolisa ulimi lwami ; ngi ya hlupeka ku lelilangabi. Zek. 14. 12. Isai. 66. 24.

Mark 9. 44.

25 uAbrahama wa ti, Mtanami, ku-

mbula ukuba wa kwamkela okuhle kwako ekupileni kwako, kepa uLazaru wa e nokubi; manje u ya tokoziswa yena, u ya hlupeka wena. Jobe 21. 13.

isa. 6. 24.

26 Futi ngapandhle konke loku li mi igebe elikulu pakati kwetu nani; aba lapa be tanda ukuya kini, ba ngenze; naba lapo ba ngeze lapa kiti.

27 Wa ti, Ngi ya ku ncenga, baba, ukuba u m tumele endhlini ka baba;

28 Ngi nabafo wetu aba isihlanu, ukuba a ba luleke, ba ngezi ku lendawo yokuhlupeka.

29 uAbrahama wa ti kuye, Ba noMosi nabaprofeti, a bezwe bona.

Isai. 8. 20. & 34. 16. John. 5, 39, 45.

Imis. 15. 21. & 17. 11.

30 Wa ti, Ai, baba Abrahama; kodwa uma ku suka umuntu kwabafileyo, a ye kubo, ba ya kupenduka.

31 Wa ti kuye, Uma be ngezwa uMosi nabaprofeti, a ba yi kuzwa, noma ku vuka umuntu kwabafileyo.

John. 12. 10, 11.

### ISAHLUKO 17.

**W**A ti kubafundi bake, A ku ngenzeke, ku ngezi izikubekiso, kodwa nako kwezi za ngaye. Mat. 18. 6, 7.

Mark 9. 42.

2 Ku m lungele yena, itye lokusila li panyekwe entayeni yake, a ponswe elwandhle, ku nokuba a kubekise omunye ku laba abancinyane.

3 Qapelani. Uma umfo wenu e kona wena, u m sole; uma e penduka, u m tetelele. Mat. 18. 15, 21.

4 Uma e kona wena kakombisa ngosuku, a buyele kuwe kakombisa ngosuku, e ti, Ngi ya penduka, wo m tetelela.

5 Abapostoli ba ti eNkosini, Senezelele tina ukukolwa.

6 Ya ti iNkosi, Uma ni nokukolwa, ku ngangenhlamvu yesinapi, ni nga ti ku leliskusamini, A ku sipulwe, u tyalwe elwandhle; li ya kunilalela.

Mat. 17. 20. & 21. 21.

Mark 9. 23. & 11. 23.

7 U mupi umuntu kini e nenceku i lima, nokuba yalusa, o za kuti kuyo, i sa ngena i vela endhle, Sondela, u hlale, u dhle?

8 A ka yi kutyo ini kuyo ukuti, Luga engi za ku kudhla, u zibope, u ngi konze, ngi ze ngi dhle, ngi puze, kona u nga dhla nawe, u puze. isa. 12. 37.

9 U ya i bonga leyonceku, ngokuba yenzile okuyaliweyo na? Ngi ti, qa.

10 Ku njalo nani, se ni kwenzile konke, eni ku yalweli, ni ti, A si zincedu zaluto; senzile esi ku fanele si kwenze.

Mat. 25. 30. Rome 3. 12. Filemone 11.

11 Kwa ti ekubambeni kwake ukuya eJerusaalema, wa dabula eSamaria na seGalile. Luk. 9. 51, 52. John. 4. 4.

12 E sa ngena emzaneni, kwa m hlangabeza abantu aba ishumi, amalepero, bema kude naye. Levi 13. 46.

13 Ba memeza, be ti, Jesu, Nkosi, si haukele.

14 Se e ba bonile, wa ti kubo, hambani, ni ye ni zibonise abapristi. Kwa ti be sa hamba, ba hlanzwa. Levi 14. 2.

Mat. 8. 4. isa. 5. 14.

15 Omunye kubo, se e bonile ukuba u piliswe, wa buya, wa dumisa uTixo ngezwi elikulu.

16 iWa wa ngobuso ngasezinyaweni zake, wa m bonga. Wa e ngowa seSamaria.

17 uJesu wa pendula wa ti, A ba hlanzwanga aba ishumi na? Bapi abashi-yagalolunye na?

18 A ku fumaneka aba buyele ukubonga uTixo, kupela lo wezizwe.

19 Wa ti kuye, Suka, u hambe, inkolo yako i ku sindisile. Mat. 9. 22.

Mark 10. 52. isa. 7. 50.

20 E buzwa abaFarisi ukuba u za kufika nini umbuso ka Tixo, wa ba pendula wa ti, Umbuso ka Tixo a u fiki u bonwa.

21 A ku yi kutyiwo ukuti, Nangu, nokuba, nanguya! bheka, umbuso ka Tixo u pakati kwenu. Rome 14. 17.

22 Wa ti kubafundi bake, Ku ya kufika izinsuku, lapo ni ya kufisa ukubona usuku lunye lweNdodana yomuntu, kepa a ni yi kulubona. Mat. 9. 15.

John. 17. 12.

23 Ba ya kuti kini, Nangu, nokuba, nanguya! ma ni nga yi, ni nga ba landeli. Mat. 24. 23. Mark 13. 21. isa. 21. 8.

24 Njengonyazi olu baneka kwenye indawo pansu kwezulu lu kanya lu ze lu fike kwenye indawo pansu kwezulu, ko ba njalo iNdodana yomuntu ngosuku lwayo. Mat. 24. 27.

25 Kepa nga i hlupeka kakulu kuqala, i delwe ilesisizukulwane. Mark 8. 31.

isa. 9. 22.

26 Njengokwenzeka ezinsukwini zika Noa, ko ba njalo ezinsukwini zeNdodana yomuntu. Gen. 7. Mat. 24. 37-39.

27 Ba be dhla, be puza, be ganwa,



bendiswa, kwa za kwa fika usuku uNoa a ngena emkunjini ngalo, kwa fika uzamcolo, wa bubisa bonke.

28 Ku njalo na njengokwenzeka ezinkwini zika Loti; ba be dhla, be puza, be tenga, be tengisa, be lima, baka;

29 Kodwa nga lolosuka uLoti a puma eSodoma ngalo, la na umlilo nesolufa, li vela ezulwini, la na bubisa bonke.

Gen. 19. 16, 24.

30 Ko ba njalo nga lolosuka iNdodana yomuntu i ya kubonakaliswa ngalo.

2 Tes. 1. 7.

31 Nga lolosuku, o pezu kwendhlu, impahla yake i sendhlini, a ka ngehli ukuitabata; njalo o sendhle a ka nga buyi.

Mat. 24. 17. Mark 13. 15.

32 Kumbulani umka Loti. Gen. 19. 26.

33 O funa ukusindisa ukupila kwake wo ku lahlekelwa; kepa o ku lahlekelwa ukupila kwake, wo ku sindisa.

Mat. 10. 39.

34 Ngi ti kini, Nga lobosuku ku ya kuba kona embedeni munye ababili, omunye wo tatyatwa, omunye a shiywe.

Mat. 24. 40, 41. 1 Tes. 4. 17.

35 Bo sila ababili ndawonye, omunye wo tatyatwa, omunye a shiywe.

36 Ababili ba ya kuba sendhle, omunye wo tatyatwa, omunye a shiywe.

37 Ba pendula ba ti kuye, Pi na, Nkosi? Wa ti kubo, Lapa si kona isidumbu, ilapa amanqe a ya kubutana kona.

Jobe 39. 30. Mat. 24. 28.

### ISAHLUKO 18.

**W**A shumayela umfanekiso kubo wokuti, nga be kuleka ngezikati zonke, ba nga yeki. isa. 11. 5. & 21. 36. Rome 12. 12. Ef. 6. 18. Kol. 4. 2. 1 Tes. 5. 17.

2 E ti, Kwa ku kona emzini otile umahluli o ngesabi uTixo, o nga hlonipi muntu.

3 Wa e kona umfelokazi ku lomuzi, weza kuye, e ti, Ngi zwele esiteni sami.

4 Kwa ba isikati e nga vumi; ngasemva wa ti enhliziyweni yake, Noma ngi ngesabi uTixo, ngi nga hlonipi muntu.

5 Kepa loku e ngi kataza lomfelokazi, ngi ya kumzwela, funa a ngi qede ngozuka kwake njalonjalo. isa. 11. 8.

6 Ya ti iNkosi, Yizwani loku a ku tyoyo umahluli onga lungile.

7 uTixo a ka yi kubezwela ini abake-tiweyo bake, aba kala kuye emini na sebusuku, noma e bekezela kade nabo na? Isam. 6. 10.

8 Ngi ti kini u ya kubezwela masinya-

ne. Kepa iNdodana yomuntu, ngokufika kwayo, i ya kufumanisa ukukolwa emhlabeni na? Heb. 10. 37. 2 Pet. 3. 8, 9.

9 Wa shumayela lomfanekiso kwabazitembayo, ba ti ba lungile, ba dela abanye; isa. 10. 29. & 16. 15.

10 Abantu ababili ba kupukela etempelini ukukuleka; omunye e ngumFarisi, omunye e ngumtelisi.

11 umFarisi wema yedwa, wa kuleka wa ti, Ngi ya kubonga, Tixo, ngokuba ngi nge njengabanye abantu, abapangi, abangalungile, nabapingi, na njengalo lomtelisi. Izihl. 135. 2.

Isai. 1. 15. & 58. 2. Isam. 3. 17.

12 Ngi zila ukudhla kabili ngesonto, ngabela okweshumi kuko konke engi nako.

13 Umtelisi wema kude e nge naku-bheka ezulwini, kodwa wa tyaya isifuba sake, e ti, Tixo, yiba nomsa kimi mina soni.

14 Ngi ti kini, lo wehlela endhlini yake e tetelelwe ku nomunye; lowo o zipakamisayo, u ya kutotywa, nozitobayo a pakanyiswe. Mat. 23. 12. isa. 14. 11.

15 Kwa letwa kuye abantwana, ukuba a ba pate; kepa abafundi be bona ba ba kuza. Mat. 19. 13-15. Mark 10. 13-16.

16 uJesu wa ba biza wa ti, Vumelani abantwana beze kini, ni nga ba ngabeli; umbuso ka Tixo u ngowabanjalo.

17 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ngamkeli umbuso ka Tixo njengomntwana, a nge ngene kuwo.

18 Kwa suka o isikulu wa m buza, e ti, Mfundisi olungileyo, ngi ya kwenzani ukuba ngi dhle ifa lokupila okupakade na? Mat. 19. 16-29. Mark 10. 17-30.

19 uJesu wa ti kuye, U ngi bizelani u ti ngi lungile na? A ku ko olungileyo, munye kupela, uTixo.

20 U ya yazi imiyalo yokuti, U nga pingi; U nga bulali; U ngebi; U nga qiniseli amanga; Dumisa uyihlo nonyoko. Eks. 20. 12, 16. Dut. 5. 16-20.

21 Wa ti, Loku konke ngi ku ginile kwa sebutiyeni bami.

22 uJesu, se e zwile loku, wa ti kuye, U sa swele into inye; Tengisa ngako konke o nako, u babele abampofu, kona u ya kuba nemfuyo ezulwini; u ze, u ngi landele. Mat. 6. 19, 20. 1 Tim. 6. 19.

23 E ku zwile loku wa dabuka kaku-lu, ngokuba wa e nemfuyo eningi.

24 uJesu wa m bona e dabukile, wa ti, Yeka, ku lukuni kwaba nemfuyo ukungena embusweni ka Tixo!

25 Ku lula ukuba ikameli li ngene entunjeni yosungulo, ku nokuba ofuyileyo a ngene embusweni ka Tixo.

26 Ba ti abezwayo, Ubani o nga sindiswayo na?

27 Wa ti, Oku nge nakwenzeka kubantu, ku ngenzeka kuTixo.

28 Wa ti uPetro, Tina si shiye konke, si ku landele.

29 Wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, A ku ko umuntu o shiye indhlu, nabazali, nabafo wabo, nomkake, nabantwana, ngenxa yombuso ka Tixo,

30 O nga yi kwamkeliswa okuningi ku lesisikati, na sezweni elizayo ukuphila okupakade. Jobe 42. 10.

31 Wa tabata aba ishumi nambili, wa ti kubo, Bhekani, si kupukela eJerusalem; ku za kuphela konke okulotiyewo abaprofeti ngeNdodana yomuntu. Mat. 16. 21. & 17. 22. & 20. 17-19.

Mark 10. 32-34. Izihl. 22. Isai. 53.

32 I ya kunikelwa kwabezizwe, i hlekwe, yeiswe, i felwe ngamate : John. 18. 28.

33 Ba i tyaye, ba i bulale; kepa ngosuku lwesitatu yo buya, i vuke.

34 Kodwa a bezwisa nganto; lokokutyo kwa fihleka kubo, a ba kwazanga a be ku tyilo. Mark 9. 32. isa. 2. 50. & 9. 45. John. 12. 16.

35 Kwa ti, e sondela eJeriko, ya i hlezi impumpute nga sendheleni, i cela; Mat. 20. 29. Mark 10. 46.

36 Yezwa abantu be dhlula, ya buza ukuba ku ini.

37 Ba i tyela ba ti, uJesu, wa seNazareta u ya dhlula.

38 Ya memeza ya ti, Jesu, Ndodana ka Davida, ngi haukele.

39 Kepa aba hamba pambili ba i kuza, ukuba i tule; kodwa ya memeza kakulu, i ti, Ndodana ka Davida, ngi haukele.

40 uJesu wema, wa tyo, ukuba i letwe kuye; i si sondele, uJesu wa i buza,

41 E ti, U tanda ukuba ngi kwenzeleni na? Ya ti, Nkosi, ukuba ngi bheke.

42 uJesu wa ti kuyo, bheka, inkolo yako i ku sindisile. isa. 17. 19.

43 Ya se i bheka, ya m landela, i dumisa uTixo. Abantu bonke, se be bonile, ba bongu uTixo. isa. 5. 26.

ISAHLUKO 19.

WA ngena wa dabula eJeriko.

2 Kwa ku kona umuntu, igama

lake uZakeu, e isikulu sabatelisi, e isi-cebi.

3 Wa funa ukubona uJesu, ukuba u ubani; wahluleka ngabantu, ngokuba e mfutyane.

4 Wa gijimela pambili, wa kwela emtini wesikamore, ukuba a m bone, e be za kudhlula kona.

5 uJesu se e fikile ku leyondawo, wa bheka pezulu, wa m bona, wa ti kuye, Zakeu, tyetya wehle; ngokuba namhla ngi ya kuhlala endhlini yako.

6 Wa tyetya wehla, wa m amkela ngokujabula.

7 Se be bonile ba konona bonke, be ti, U ye kungenisa kumuntu o isoni.

Mat. 9. 11. isa. 5. 30.

8 uZakeu wema, wa ti eNkosini Bheka, Nkosi, ngi ya ba pa abampofu inxenye yemfuyo yami; uma ngi m amukile umuntu into, ngi i buyisa i pinda wane. isa. 3. 14. Eks. 22. 1. 2 Sam 12. 6.

9 uJesu wa ti kuye, namhla ku fikile ukusindiswa ku lendhlu, loku naye u indodana ka Abrahamu. Rome 4. 11, 12, 16. Gal. 3. 7. isa. 13. 16.

10 iNdodana yomuntu i ze kufuna nokusindisa okulahlekileyo. Mat. 18. 11. Mat. 10. 6. & 15. 24.

11 Se be zwe loku, weleka wa shumayela umfanekiso, ngokuba e seduze neJerusalem, na ngokuba be ti, umbuso ka Tixo se u za kubonakala. Imis. 1. 6.

12 Wa ti, Kwa suka umuntu omkulu, wa ya ezweni eli kude ukuba a tabate umbuso, a buye. Mat. 25. 14-30.

Mark 13. 34.

13 Wa biza izinceku zake ezi ishumi, wa zi nika omina aba ishumi wa ti kuzo, Tengisani ngabo ngi ze ngi buye.

14 Kepa abantu ba kubo ba m zonda, ba tuma izigijimi emva kwake, ba ti, A si tandi lomuntu a be umbusi pezu kwetu. John. 1. 11.

15 Kwa ti ekubuyeni kwake, se e tabatile umbuso, wa tyo ukuba zi bizwe zi ze kuye lezozinceku, a be zi ukile elimali, azi ukuba ileyo i zuzeni ngokutengisa.

16 Ya fika eyokuqala ya ti, Nkosi, umina wako u zuzile omina aba ishumi.

17 Wa ti kuyo, Kuhle, neeku elungileyo; loku u tembekile ngokuncinyane, u ya kubusa imizi e ishumi. isa. 16. 10.

18 Ya fika eyesibili ya ti, Nkosi, umina wako u tolile omina aba isihlanu.

19 Wa ti kuyo, U ya kubusa imizi e isihlanu.

20 Ya fika euye ya ti, Nkosi, nangu

umina wako, e be ngi naye u bekiwe endwangwini;

21 Nga kwesaba, loku u ngumuntu o nolaka, u tabata o nga ku bekanga, u vuna o nga ku hlwanyelanga.

22 Wa ti kuyo, Ngomlomo wako ngo ku lahla, wena nceku engalungile. U be wazi ukuba ngi ngumuntu o nolaka, ngi tabata engi nga ku bekanga, ngi vuna engi nga ku hlwanyelanga.

2 Sam. 1. 16. Jobe 15. 6. Mat. 12. 37.

23 A u bekanga imali yami ebanke ngani na? kona ekubuyeni kwami, nga ngi i bizile kanye nenzuzo.

24 Wa ti kwabemiyo kona, M amukeni umina, ni m nike o nomina aba ishumi.

25 Ba ti kuye, Nkosi, u nomina aba ishumi.

26 Yebo, ngi ti kini, lowo o nako u ya kupiwa, kepa, o nge nako u ya kwamukwa na loku a nako.

Mat. 13. 12. Mark 4. 25. isa. 8. 18.

27 Lezozita zami eza zi nga tandi, ngi be umbusi wazo, zi leteni lapa, ni zi bulale pambi kwami.

28 Se e tyilo loku, wa ya pambili, e kupukela eJerusalema.

Mark 10. 32.

29 Kwa ti, e sondele eBetfage neBetani, nga sentabeni e tiwa e yemihlwati, wa tuma ababili kubafundi bake.

Mat. 21. 1-11. Mark 11. 1-10.

30 E ti, Hambani ni ye emuzini o bhekana nani, se ni ngene kuwini ni ya kufumana itole lembongolo li botyiwe, oku nga zanga ku hlale kulo umuntu; li tukululelani, ni li lete.

31 Uma umuntu e ni buza ukuti, Ni li tukululelani? ni ti kuye, iNkosi i ya li funa.

32 Bemuka aba be tunyiwe, ba fuma na njerogokutyi kwake kubo.

33 Be sa tukulula itole, abaninilo ba ti kubo, Ni li tukululelani itole na?

34 Ba ti, iNkosi i ya li funa.

35 Ba li leta kuJesu, ba beka izingubo zabo pezu kwetole, be m kwelisa uJesu.

Mat. 21. 7. Mark 11. 7. John. 12. 14.

36 E sa hamba, bendhlala izingubo zabo endhlehleni.

Mat. 21. 8.

37 E sa sondela ekwehleni kwentaba yemihlwati, ibandhla lonke labafundi la qala ukutokoza nokubonga uTixo ngezwi elikulu, ngenisebenzi yonke emikulu aba be i bonile.

38 Be ti, A ka bongwe umbusi ozayo ngegama leNkosi; ku be ukutula ezulwini, nobukosi kwelipezulu.

Izihl. 118. 26. & 13. 35. isa. 2. 14. Ef. 2. 14.

39 Abanye abaFarisi ba sebantwini ba ti kuye, Mfundisi, ba kuze abafundi bako.

40 Wa pendula wa ti kubo, Ngi ti kini, uma be tula laba, amatye a ya kumemeza.

Hab. 2. 11.

41 Se e sondele wa bona umuzi, wa u kalela.

John. 11. 35.

42 E ti, Uma u bu kwazi nawe, na nga lolusuku, okokutula kwako! kepa kaloku se ku fihlekile emehlweni ako!

43 U ya kufikelwa izinsuku, lapo izita zako zi ya kukubiyela ngotango, zi ku haqe, zi ku vimbezele inxa zonke.

Isai. 29. 3. Jer. 6. 6. isa. 21. 20.

44 Zi ku dilize pansa, wena nabanantwana bako aba kuwe: zi nga shiyi kuwe itye nalinye li pezu kwelinye, ngokuba u nga sazanga isikati sokuhanjelwa kwako.

Mat. 24. 2. Mark 13. 2.

isa. 21. 6. Dan. 9. 24. isa. 1. 68, 78.

1 Pet. 2. 12.

45 Wa ngena etempelini, wa qala ukukipa abatengiselanayo kulo.

Mat. 21. 12. John. 2. 14, 15.

46 Wa ti kubo, Ku lotyiwe ukuti, Indhlu yami i indhlu yokukuleka; kepa ni yenze umhume wabapangi.

Isai. 56. 7. Jer. 7. 11.

47 Wa e fundisa imihla ngemihla etempelini; kepa abapristi abakulu, nababali, nezikulu zabantu ba funa ukumbulala.

Mark 11. 18. John. 7. 19. & 8. 37.

48 Kodwa ba be nga fumani aba nga kwenzayo, loku abantu bonke ba bambelela kuye ukumuzwa.

## ISAHLUKO 20.

**K**WA ti nga lezozinsuku e sa fundisa abantu etempelini, e shumayela ivangeli, kweza abapristi abakulu, nababali, kanye namalunga.

Mat. 21. 23-27.

Mark 11. 27-33.

2 Ba kuluma kuye, be ti, Si tyele, u zenza lezizinto ngamapi amandhla na? ubani o ku nika lawamandhla na?

Imis. 4. 7. & 7. 27.

3 Wa pendula wa ti kubo, Nami ngi ya kunibuzwa into inye; ni ngi tyele.

4 Ukubapatiza kuka Johane kwa vela ezulwini, nokuba kubantu ini na?

5 Ba zindhlisana ba ti, Uma si ti, Ezulwini, u ya kuti, A ni kolwanga uye ngani na?

6 Uma si ti, kubantu, si ya kukandwa ngamatye abantu bonke, ngokuba be kolwa ba ti uJohane wa e ngumprofeti.

Mat. 14. 5. isa. 7. 29.

7 Ba pendula ba ti, abazi ukuba kwa velapi.

8 uJesu wa ti kubo, Nami a ngi ni tye-li amandhla e ngenza ngawo lezizinto.

9 Wa qala ukushumayela kubo lomfanekiso; Umuntu wa tyala isivini, wa si tyeleka kubalimi, wemuka wa ya kwelinye izwe isikati eside. Mat. 21. 33-46.

Mark 12. 1-12.

10 Ngesikati sezitelo wa tuma inceku kubalimi, ukuba ba m nike izitelo zesi-vini; kepa abalimi ba i tyaya, ba i mukisaze.

11 Wa buya wa tuma enye inceku; ba i tyaya na leyo, ba i pata kabi, ba i mukisaze.

12 Wa buya wa tuma eyesitatu; ba i limaza na leyo, ba i kipela ngapandhle.

13 Kona inkosi yesivini ya ti, Ngi ya kwenze njani na? Ngi ya kutuma indodana yami etandiweyo; ingabe ba ya kuibhlonipa, be i bonile.

14 Kodwa abalimi, se be i bonile, ba zindhlisana, be ti, Lo u indhlalifa, zaini, si i bulale, ifa li be eletu.

15 Ba i kipela ngapandhle kwesivini, ba i bulala. Inkosi yesivini i ya kwenzani kubo na?

16 I ya kuza i ba bulale lababalimi, i nike abanye isivini sake. Be ku zwa loko ba ti, A ku nga bi njalo.

17 Wa ba bheka, wa ti, Ku ini loku okulotyiweyo ukuti, Itye elilahliweyo abaki, ilona se li inhloko yegumbi?

Izihl. 118. 22. Mat. 21. 42.

18 Lowo owayo pezu kwa lelitye, wo cotyozwa; kodwa lowo eli wa pezu kwa-ke, lo m colisa. Dan. 2. 34, 35.

19 Abapristi abakulu nababali ba funa ukubeka izandhla pezu kwake nga lesosikati, kepa besaba abantu, bazi ukuba e be kulunile lomfanekiso ngabo.

20 Ba m hlomela, ba tuma izinhloli ezi zenza abalungileyo, ukuba ba m bhabise ngokushumayela kwake, ukuba ba m nikele emakosini na semaudhleni ombusi. Mat. 22. 15-33. Mark 12. 13-27.

21 Ba m buza, be ti, Mfundisi, si yazi ukuba u lungu ngokushumayela na ngokufundisa, a u naki umuntu, kodwa u fundisa indhlela ka Tixo ngeqiniso;

22 Ku fanele si tele imali kuKesari, nokuba si nga teli na?

23 Wa bona ubuqili babo, wa ti kubo, Ni ngi lingelani na?

24 Ngi boniseni udenario. U nomfanekiso nombalo ka bani na? Ba pendula ba ti, Ka Kesari.

25 Wa ti kubo, Nikani uKesari oku-ka Tixo.

26 Ba benge nakumbhahisa ngamazwi ake pambi kwabantu; ba mangala ngokupendula kwake, ba tula.

27 Kwa fika abanye kubaSadusi aba pika ukuvuka kwabafileyo ba ti akuko, ba m buza, Mat. 22. 23. Mark 12. 18.

Imis. 23. 6, 8.

28 Be ti, Mfundisi, uMosi wa si lobela ukuti, Uma umuntu e fa, e nomfazi, e fa e nge namntwana, umfo wabo a ka m tabate umkake, a vusele umfo wabo inzalo. Dut. 25. 5.

29 Kwa ku kona izelamani ezi isikombisa; owokuqala wa tabata umfazi, wa fa e nge namntwana.

30 Owesibili wa m tabata umfazi, wa fa haye e nge namntwana.

31 Nowesitatu wa m tabata; benze njalo aba isikombisa; ba fa be nga shiyanga inzalo.

32 Emva kwabo bonke wa fa nomfazi.

33 Ekuvukeni u ya kuba umfazi wa mupi ku labo na? loku aba isikombisa ba be naye e ngumfazi wabo.

34 uJesu wa pendula wa ti kubo, Abantwana ba lelizwe ba ya ganwa, ba yendiswa;

35 Kodwa labo aba za kutiwa ba fanele lelozwe, nokuvuka kwabafileyo, a ba ganwa, a bendiswa.

36 Ba nge buye ba fe; ba njengezingelosi, ba ngabantwana baka Tixo, be ngabantwana bokuvuka.

1 Kor. 15. 42, 49, 52. 1 John. 3. 2.

Rome 8. 23.

37 Ukuvuka kwabafileyo wa ku bonisa uMosi esilahleni, lapo e biza iNkosi ngokuti, uTixo ka Abrahama, noTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe.

Eks. 3. 6.

38 A siye uTixo wabafileyo; uTixo wabapilayo loku bonke ba pila kuye.

Rome 6. 10, 11.

39 Abanye kubabali ba pendula ba ti, Mfundisi, u shumayele kahle.

40 Kepa ba be nga se nasibindi sokumbuza luto.

41 Wa ti kubo, Ba tyo kanjani ukuti, uKristu u indodana ka Davida na?

Mat. 22. 41-45. Mark 12. 35-37.

42 Yena uDavida u ti enewadini yezihlabelelo iNkosi ya ti eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,

Izihl. 110. 1. Imis. 2. 34.

43 Ngi ne ngenze izita zako zi be isenabelo sako.

44 Loku uDavida u m biza ngokuti, iNkosi; u indodana yake kaujani na?

45 Be sezwa abantu bonke, wa ti kubafundi bake, Mat. 23. 1. Mark 12. 38.

46 Nwayani ababali abizanda ukuhamba be gqoka izingubo ezinde; ba fanda ukubingelelwa ezindaweni zokubutana, nezihlalo ezi pambili ezindhlini zokusonta, nezihlalo ezi senhle ekudhleni. Mat. 23. 5. isa. 11. 43.

47 Ba dhla izindhlu zabafelokazi, na ngokuzenzisa ba kuleka isikati eside; laba ba ye kwamkeliswa ukulahlwa okukulu. Mat. 23. 14.

ISAHLUKO 21.

**W**A bheka, wa bona, abacebileyo be tela izipo zabo eminikelweni.

Mark 12. 41-44.

2 Wa bona umfelokazi ompofu e tela kona imalana embili.

3 Wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, lomfelokazi ompofu u telile kakulu ku nabo bonke. 2 Kor. 8. 12.

4 Ngokuba bonke laba ba telile eminikelweni ka Tixo ngobuningi babo, kodwa yena ngobumpofu bake u telile konke a nako, a pila ngako.

5 Abanye be kuluma ngetempeli ukuti, li vunuliswe ngamatye amahle na ngeminikelo, wa ti, Mat. 24. 1-51.

Mark 13. 1-37.

6 Lezizinto eni zi bonayo, ku ya kufika imihla oku nga yi kushiywa ngayo itye pezu kwetye, eli nga yi kuwiswa pansu. isa. 19. 44.

7 Ba m buza, be ti, Mfundisi, loku ko ba niini na? nesiboniso so ba ini, lapo ku za kufika konke loku na?

8 Wa ti, Bhekani ni ngedukiswa; ngokuba abaningi ba ya kuza ngegama lami, be ti, Ngi nguKristu, isikati se si sondele; ni nga ba landeli. Ef. 5. 6.

2 Tes. 2. 3.

9 Nxa ni ku zwa ukulwa nokuvukelana, ni ngesabi; ku ya kufika loku kuqala, kepa ukupela ku nga ka sondeli.

10 Kona wa ti kubo, Isizwe si ya kuvukela isizwe, umbuso u ya kuvukela umbuso:

11 Ku ya kuba kona ukuzamazama okukulu komhlaba izindawo ngezindawo, nendhlala, nezifo; ko ba kona izibonakaliso ezisabekayo, nezimangaliso ezikulu nga sezulwini.

12 Kodwa ku nga ka fiki konke loku, ba ya kubeka izandhla zabo pezu kwenu, ba ni hluphe, ba ni nikele ezindhlini zokusonta, na sematilongweni, ni letwa

emakosini na kubabusi, ngexa yegama lami. Mat. 10. 17-22.

Imis. 4. 3. & 5. 18. & 12. 4. & 16. 24.

13 Ku ya kuba ubufakazi kinina.

Fil. 1. 23. 2 Tes. 1. 5.

14 Misani ezinhliziyweni zenu, ukuba ni nga ku zindhli eni ya kupendula ngako. isa. 12. 11.

15 Ngi-ya kuninika umlomo nokuhlakanipa, ezi nge ku pike; zi ku mele, zonke izita zenu. Imis. 6. 10.

16 Ni ya kunikelwa abazali, nabafo wenu, nabazalwane, nezihlobo, yebo, abanye kini ba ya kubabulala.

Mika 7. 6. Imis. 7. 59. & 12. 2.

17 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngegama lami.

18 Kodwa a lu yi kulahleka nalunye unwele lwekanda lenu. Mat. 10. 30.

19 Ngokubekazela kwenu no i sindisa imipefumlo yenu.

20 Nxa ni bona iJerusalema li haqiwe impi, kona yazini ukuba se ku sondele ukucitakala kwalo. Mat. 24. 15.

Mark 13. 14.

21 Kona aba seJudia ma ba balekele ezintabeni, naba pakati kwalo ba pume, naba sendhle ba nga ngeni kulo.

22 Ngokuba lezi zi izinsuku zokupindisela, ukuba ku gwaliseke konke okulotywayeyo. Dan. 9. 26, 27. Zek. 11. 1.

23 Au kwabakulelweyo nabancelisayo nga lezozinsuku! ku ya kuba kona ukulhupuka okukulu ezweni, nolaka pezu kwa labantwana.

24 Ba ya kuwa ngosiko lwenkemba, ba tunjwe izizwe zonke; iJerusalema i ya kunyatelwa izizwe, ku ze ku pelele izikati zezizwe. Dan. 9. 27. & 12. 7.

25 Ku ya kuba kona iziboniso elangeni, na senyangeni, na sezinkanyezini; na semhlabeni ku tutumele izizwe, zi xakekile; ku dume ulwandle namaza: Mat. 24. 29-51. Mark 13. 24-37. 2 Pet. 3. 10, 12.

26 Abantu ba pele amandhla ngokwesaba, na ngokubheka lezozinto ezizayo emhlabeni; ku ya kuzanyazanyiswa amandhla ezulu.

27 Kona ba ya kubona iNdodana yomuntu i za ngefu, i namandhla nobukosi obukulu. Isam. 1. 7. & 14. 14.

28 Nxa lezizinto zi qala ukwenzeka, lulamani, ni pakamise amakanda enu, ngokuba ku sondele ukusindiswa kwenu. Rome. 8. 19, 23.

29 Wa shumayela kubo umfanekiso wokuti, Bhekani, umkiwane nemiti yonke; Mat. 24. 32. Mark 13. 28.

30 Nxa i si hlumile, ni ya bona, nazi ngokwenu, ukuba ihlobo li seduze.

31 Njalo, nxa ni bona lezizinto za fika, nazi umbuso ka Tixo u seduze.

32 Ngi qinisile ngi ti kini; Lesisizukulwane a si yi kudhlula ku nga kenze-ki loku konke.

33 Ku ya kudhlula izulu nomhlaba; kodwa amazwi ami a ka yi kudhlula.

34 Xwayani, ku nga ti izinhliziyozenu zi be butuntu ngokuminza, na ngokudakwa, na ngokunaka lokukupila, lu ni fikele lolosuku ni ngazelele.

Rome 13. 13. 1 Pet. 4. 7.

35 Ngokuba lu ya kufika njengomgibe pezu kwabo bonke aba hlezi ezweni lonke. 1 Tes. 5. 2. 2 Pet. 3. 10. Isam. 3. 3.

36 Lindani, ni kuleke ngezikati zonke, ukuba ni fanele ukupepa loku konke oku za kwenzeka, ni me pambi kwe-Ndodana yomuntu. Mat. 25. 13.

Mark 13. 33. isa. 18. 1. # Izihl. 1. 5. Ef. 6. 13.

37 Eminini wa e fundisa etempelini; ebusuku wa ya wa hlala entabeni okutiwa e yemihlwati. John. 8. 1. isa. 22. 39.

38 Abantu bonke besuka kusasa, beza kuye etempelini ukumuzwa.

## ISAHLUKO 22.

**K**WA sondela umhlangano wesinkwa esi nge namvubelo okutiwa iPasika.

Mat. 26. 2-5. Mark 14. 1, 2.

2 Abapristi abakulu nababali ba funa ukuba benze njani ukumbulala; ngokuba besaba abantu. Izihl. 2. 2. John. 11. 47.

Imis. 4. 27.

3 uSatani wa ngena kuJuda o tiwa uIskariote, e ngowaba ishumi nambili.

Mat. 26. 14-16. Mark 14. 10, 11. John. 13. 2. 27.

4 Wemuka wa ya wa kuluma nabapristi abakulu nezinduna, ukuba enze njani ukumnikela kubo.

5 Ba jabula, ba vumelana naye ukumnika imali. Zek. 11. 12.

6 Wa vuna, wa funa ituba lokumnikela kubo, ku nge ko abantu.

7 Kwa fika usuku lwesinkwa esi nge namvubelo, eli nga hlatywa ngalo ipasika. Mat. 26. 17-19. Mark 14. 12-16.

8 Wa tuma uPetro noJohane, e ti, Hambani ni ye ni si lungisele ipasika, si dhle.

9 Ba ti kuye, U tanda ukuba si ku lungiselepi na?

10 Wa ti kubo, Bhokani, se ni ngenile emzini, ni ya kuhlanguana nomuntu e pete isitya samanzi; ni landeleni ni ye endhlini, a ngena kuyo.

11 Ni ti kuminindhlu, Umfundisi u ti kuwe, Ipi indhlu lapa ngi nga dhla kona ipasika nabafundi bami?

12 U ya kunibonisa indhlu enkulu, e pezulu, endhlelweyo; ni lungise kona.

13 Bemuka ba funana njengokutyokwake kubo; ba lungisa ipasika.

14 Se si fikile isikati, wa hlala nabapostoli aba ishumi nambili.

Mat. 26. 20. Mark 14. 17.

15 Wa ti kubo, Ngi nxanele nokunxanela ukudhla nani lelipasika, ngi nga ka hlupeki.

16 Ngokuba ngi ti kini, A ngi sa yi kubuya ngi li dhle, li ze li pelele embusweni ka Tixo. isa. 14. 15. Imis. 10. 41.

Isam. 19. 9.

17 Wa tabata isitya, wa bonga, wa ti, Si tabatani, ni sahlukanelane.

18 Ngi ti kini, A ngi sa yi kupuza isitelo sevini u ze u fike umbuso ka Tixo. Mat. 26. 29. Mark 14. 25.

19 Wa tabata isinkwa, wa bonga, wa si hlepula, wa ba nika, e ti, Loku ku umzimba wami, o nikelwa nina: yenzani loku, ni ngi kumbule. Mat. 26. 26.

Mark 14. 22. 1 Kor. 11. 24.

20 Njalo wa tabata isitya emva kokudhla; e ti, Lesisitya si isivumelwano esitya ngegazi lami, eli palazelwa nina.

1 Kor. 10. 16.

21 Kodwa bhokani, isandhla so ngi nikelayo si nami esitebeni. Izihl. 41. 9. Mat. 26. 21-24. Mark 14. 18. John. 13. 21, 26.

22 Imbala, iNdodana yomuntu i ya ya njengokumisiweyo, kodwa nako ku lomuntu e nikelwa uye!

Imis. 2. 23. & 4. 28.

23 Ba qala ukubuzana ukuba ubani kubo a za kwenza loku. Mat. 26. 22.

John. 13. 22, 25.

24 Kwa ku kona inkani pakati kwabo yokuti ubani kubo o za kutiwa omkulu.

Mark 9. 34. isa. 9. 46.

25 Wa ti kubo, Amakosi ezizwe a zi busa, nababusi bazo ba tiwa abanomusa.

Mat. 20. 25, 28. Mark 10. 42.

26 Kodwa nina a ni yi kuba njalo; kepa omkulu kini a ka be njengomeinyane, nombusi a be njengokonzayo.

isa. 9. 48. 1 Pet. 5. 3.

27 U mupi omkulu, o hlezi ekudhleni, nokonzayo na? a siye o hlezi ekudhleni na? kodwa mina ngi pakati kwenu njengokonzayo. isa. 12. 37. John. 13. 13, 14.

Fil. 2. 7.

28 Nina ni ibo aba be mi nami ekulingweni kwami. Heb. 4. 15.

29 Ngi ya ni misela umbuso, njengobaba u ngi misele mina. 2 Kor. 1. 7.  
2 Tim. 2. 12.

30 Ukuba ni dhle, ni puze esitebeni sami embusweni wami, ni hlale ezihlaleneni zobukosi, nahlulele izizwe ezi ishumi nambili zika Israeli. Mat. 8. 11.  
Isam. 19. 9. I Izihl. 49. 14. Mat. 19. 28.  
1 Kor. 6. 2. Isam. 3. 21.

31 iNkosi ya ti, Simone, Simone, bheka, uSatani u ya ni funisisa, ukuba, a ni hlunge njengamabele. 1 Pet. 5. 8.  
Amosi 9. 9.

32 Kodwa ngi ku kulekele, ukuba ukukolwa kwako ku nga peli: lapo u su penduke, u ba qinise abazalwane bako.  
John. 17. 9. 11. 15. I Izihl. 51. 13.  
John. 21. 15. 16, 17.

33 Wa ti kuyo, Nkosi, se ngi lungele ukuya nawe na setilongweni, na sekufeni.

34 Ya ti, Ngi ti kuwe, Petro, Iqude a li yi kukala nanhla, u nga ka piki katatu u ti a u ngazi. Mat. 26. 34.  
Mark 14. 30. John. 13. 38.

35 Ya ti kubo, Lapo nga ni tuma ni nge nasikwama; naika, naziatulo, na swelanto na? Ba ti, A si swelanganto.  
Mat. 10. 9. isa. 9. 3. & 10. 4.

36 Ya ti kubo, Kodwa o nesikwama, ka si tabate, enze njalo o neika: o nge nankemba, ka tenge ngengubo yake, a tenge inkemba.

37 Ngokuba ngi ti kini, Loku okulotywiweyo nga se ku gwaliseka ngami, kokufi, Wa balwa nezoni: ngokuba okutyiwo ngami se ku pelele. Isai. 53. 12.  
Mark 15. 28.

38 Ba ti, Nkosi, bheka, nazi izinkemba ezimbili. Ya ti kubo, kwanele.

39 Wa puma wa ya njengokwenza kwake entabeni yemihlwati, abafundi bake ba m landela. Mat. 26. 36-46.  
Mark 14. 32-42. John. 18. 1. isa. 21. 37.

40 Se e fikele ku leyondawo, wa ti kubo, Kulekani ukuba ni nga ngeni eku-lingweni. Mat. 6. 13.

41 Wa dela kubo, ku nga ti ibangana lokuponsa itye, wa guqa wa kuleka,

42 E ti, Baba, uma u vuma, susa lesi-sitya kimi, kepa a ku nga bi ngokutanda kwami, ku be ngokwako.  
John. 5. 30. & 6. 38.

43 Kwa bonakala kuye ingelosi ya sezulwini i m qinisa. Mat 4. 11.

44 E sekulhipekeni okukulu wa qinisa ukukuleka; ukujuluka kwake kwa

njengamatonsi egazi ehlela pansi emhlabatini. John. 12. 27. Heb. 5. 7.

45 Se e suke ekukulekeni weza kubafundi bake, wa ba fumana be lele ngokudabuka.

46 Wa ti kubo, Ni laleleni na? vukani, ni kuleke, ukuba ni nga ngeni eku-lingweni.

47 E sa kuluma, kwa fika abantu, naye o tiwa uJuda, e hamba pambi kwabo, wa sondela kuJesu ukumanga. Mat. 26. 47-56. Mark 14. 43-50. John. 18. 3-11.

48 uJesu wa ti kuye, Juda, u ya i nikela iNdodana yomuntu ngokwanga na?

49 Aba be naye be bona oku za kwenzeka, ba ti kuye, Nkosi, so galela ngenkemba na?

50 Omunye kubo wa galela ineeku yompristi omkulu, wa nquma indhlebe yayo ya kwesokunene.

51 uJesu wa pendula wa ti, Yekani, kwanele. Wa i pata indhlebe yayo, wa i polisa.

52 Kona uJesu wa ti kubapristi abakulu, nezinduna zetempeli, namalunga, e be fikile kuye, Ni punele kimi nezinkemba nezinduku ngokungati ngi umpangi.

53 Be ngi nani imihla ngemihla etempelini, a nelulelanga isandhla kimi. Kodwa se ku isikati senu, namandhla obumnyama. John. 12. 27.

54 Ba m qamba, bemuka naye, ba m yisa endhlini yompristi omkulu. uPetro wa m landela e kude. Mat. 26. 57.  
Mat. 26. 58. John. 18. 15.

55 Se be basile umlilo esigodhlweni be hlala pansi, uPetro wa hlala pakati kwabo. Mat. 26. 69-75. Mark 14. 66-72.  
John. 18. 16-18, 25-27.

56 Intombazana i m bona e hlezi nga semlilweni, ya m bhekisisa, ya ti, Lo wa e naye.

57 Wa m pika, e ti, Sifazana, a ngi m azi.

58 Ngasemva kwesikatyana, omunye wa m bona, wa ti, Wena u ngowa kubo. uPetro wa ti, Ndoda, a ngi siye.

59 Se ku dhlulile isikati ku nga ti ihora, omunye wa qinisa wa ti, Nempela; lo wa e naye; u ngowa seGalile.

60 uPetro wa ti, Ndoda, a ngi kwazi o ku tyoyo. Masinyane, e sa kuluma, iqude la kala.

61 iNkosi ya penduka, ya m bheka uPetro: uPetro wa kumbula izwi le-

Nkosi, e be li tyilo ukuti, Iqude li nga ka kali, u ya kungipika katatu.

Mat. 26. 75. Mark 14. 72.

62 Wa puma uPetro, wa kala nokukala.

63 Abantu aba m bamba uJesu, ba m hleka; be m tyaya.

Mat. 26. 64-68.

Mark 14. 61-65.

64 Ba m gubuzela; ba m tyaya ubuso, ba m buza, be ti, Si tyele, ukuba ubani o ku tyayileyo.

65 Nokunye okuningi ba kuluma kuye, be m tuka.

66 Kwa ti ekuseni kwa butana amalunga abantu, nabapristi abakulu, nababali, ba m yisa empakatini wabo, be ti.

Mat. 27. 1. Imis. 4. 26.

67 Uma u nguKristu, si tyele. Wa ti kubo, nga ngi ni tyela, a ni yi kukolwa.

68 Uma ngi ni buza, a ni yi kungipe-ndula, nokungikulula.

69 iNdodana yomuntu se i za kuhlala ngakwesokunene samandhla ka Tixo.

Heb. 1. 3. & 8. 1.

70 Ba ti bonke, U iNdodana ka Tixo na? Wa ti kubo, Ni ya tyo ni ti ngi iyo.

71 Ba ti, Si sa funelani obunye ubufakazi na? se si m zwile tina ngomlomo wake.

### ISAHLUKO 23.

**L**ABO bonke besuka, ba m yisa kuPilatu. Mat. 27. 2. Mark 15. 1. John. 18. 28.

2 Ba qala ukummangalela, be ti, Si m fumene e hlubukisa abantu, e ba nqabela ukutela kuKesari, e ti, uyena o nguKristu inkosi. Imis. 17. 7. Mat. 22. 21.

Mark 12. 17. John. 19. 12.

3 uPilatu wa m buza, wa ti, U inkosi yabaJuda na? Wa m pendula wa ti, U tyo wena.

Mat. 27. 11. 1 Tim. 6. 13.

4 uPilatu wa ti kubapristi abakulu na kubantu, A ngi fumani icala ku lomuntu.

1 Pet. 2. 22.

5 Ba qinisa ba ti, U ya vusa abantu, e fundisa eJudia lonke, wa qala eGalile wa za wa fika lapa.

6 uPilatu e zwa ku tiwa iGalile; wa buza uma lomuntu u ngowa seGalile.

7 Se e zwile ukuti e ngowombuso ka Herodi, wa m tumela kuHerodi, owa e kona eJerusalemanga lesosikati.

isa. 3. 1.

8 uHerodi, se e m bone uJesu, wa jabula kakulu; kade wa e tanda ukumbona, ngokuba e be zwile okuningi ngaye; wetemba ukubona isibonakaliso senziwa uye.

isa. 9. 9. Mat. 14. 1. Mark 6. 14.

9 Wa m buza ngamazwi amaningi, kodwa ka m pendulanga ngaluto.

10 Abapristi abakulu nababali bema, ba m ceba kakulu.

11 uHerodi namabuto ake ba m eisa, ba m hleka, ba m ambatisa ingubo enhle; ba m buyisela kuPilatu.

Isai. 53. 3.

12 Nga lolosuku uPilatu noHerodi ba buya ba tandana ngaloko; kade ba be zondana.

Imis. 4. 27.

13 uPilatu wa bizela ndawonye abapristi abakulu, namakosi, nabantu, Mat. 27. 23. Mark 15. 14. John. 18. 38. & 19. 4.

14 Wa ti kubo, Ni m letile kimi lomuntu njengo hlubukisa abantu; bhekani, ngi m buzile pambi kwenu; a ngi fumani icala ku lomuntu, nga loku eni m ceba ngako.

15 NoHerodi ka li fumani: nga ni tumela kuye; bhekani, a ku konto enziwe uye, a fanele ukufa ngayo.

16 Ng i ya kumtyaya, ngi m kulule.

Mat. 27. 26. John. 19. 1.

17 Ngokuba nga e ba kululela a be munye nga lomhlangano. Mat. 27. 15-26.

Mark 15. 6-15. John. 18. 39, 40.

18 Ba memeza kanyekanye, be ti, Susa lomuntu, u si kululele uBaraba.

Imis. 3. 14.

19 Yena owa e fakwe etilongweni, ngokuhlubuka emizini, na ngokubulala.

20 uPilatu e tanda ukumkulula uJesu, wa buya wa kuluma kubo.

21 Keba ba memeza, be ti, M betele: m betele:

22 Wa ti kubo ngokwesitatu, Woeni na? A ngi fumani icala kuye lokuba a fe; ngi ya kumtyaya, ngi m kulule.

23 Ba qinisa ngokumemeza okukulu, be ti ma betelwe; kwahlula ukumemeza kwabo nokwabapristi abakulu.

24 uPilatu wa ngamula wa ti, a ku be njengokutyo kwabo.

Mat. 27. 26. Mark 15. 15. John. 19. 16.

25 Wa ba kululela lowo owa e fakwe etilongweni ngokuhlubuka nokubulala, aba m bizayo; wa m nikela uJesu ekutandeni kwabo.

26 Se bemuka naye; ba bamba uSimone wa seKurene, e vela endhle, ba m twesa isipambano, a si twale emva kuka Jesu. Mat. 27. 32. Mark 15. 21. John. 19. 17.

27 Wa landelwa abantu abaningi, nabesifazana, aba m kalela, be m dabukela.

28 uJesu wa pendukela kubo, wa ti, Madodakazi a seJerusalemanga, ni nga ngi



kaleli mina, zikaleleni nina, nabantwana benu.

29 Bhekani, ku yeza izinsuku oku za kutiwa ngazo, Ba busisiwe aba izinyumba, nezisu ezi nga zalanga, namabele a nga ncelisanga.

Mat. 24. 19. isa. 21. 23.

30 Kona ba ya kuqala ukuti ezintabeni, Dilikelani pezu kwetu, na semadulini, Si sibekeleni.

Hos. 10. 8. Isam. 6. 16.

31 Uma benza loku emtini oluhlaza, ku ya kwenziwani kowomileyo na?

Hez. 20. 47. 1 Pet. 4. 17.

32 Kwa ku kona abanye ababili ababi aba yiswa kanye naye ukuya kubulawa.

Isai. 53. 12. Mat. 27. 38.

33 Se be fikile endaweni e tiwa iNhloko, ba m betela kona, na labo ababi, omunye ngakwesokunene, nomunye ngakwesokohlo. Mat. 27. 33. Mark 15. 22.

John. 19. 17, 18.

34 Wa ti uJesu, Baba, ba tetelele; a bazi aba kwezayo. Bahlulelana izingubo zake, benzelana inkato. Mat. 5. 44.

Imis. 7. 60. 1 Kor. 4. 12. Imis. 3. 17.

Mat. 27. 35. Mark 15. 24. John. 19. 23.

35 Abantu bema, be buka, ababusi kanye nabo ba m eisa be ti, Wa sindisa abanye; ka zisindise yena, uma e nguKristu, o ketwe uTixo. Izihl. 22. 17.

Mat. 27. 39. Mark 15. 29.

36 Namabuto a m hleka, eza kuye, a m nika iwaini elimunyu.

37 E ti, Uma u inkosi yabaJuda, zisindise.

38 Kwa ku kona inewadi e lotywe pezu kwake ngokwamaGrike, nokwamaRomani, nokwabaHeberu, i ti, LO U INKOSI YABAJUDA. Mat. 27. 37.

Mark 15. 26. John. 19. 19.

39 Omunye ku labo ababi aba panyekwe naye, wa m tuka, e ti, Uma u nguKristu, zisindise wena nati. Mat. 27. 44.

Mark 15. 32.

40 Kepa omunye e pendula, wa m tetisa, e ti, A u m esabi uTixo, loku u lahliwe kanye naye na?

41 Tina si fanele ukulahlwa; samkeliswa okufanele imisebenzi yetu: kepa yena a konanga ngaluto.

42 Wa ti kuJesu, U ngi kumbule, Nkosi, lapo u su fike embusweni wako.

43 uJesu wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, Namhla u ya kuba nami eParadisi.

44 Kwa ku ngehora lesitupa, kwa ba

mnyama emhlabeni wonke, kwa za kwa ba ihora lesishiyagalolunye. Mat. 27. 45.

Mark 15. 33.

45 Ilanga la fipala; iveli letempeli la dabuka pakati. Mat. 27. 51. Mark 15. 38.

46 uJesu wa memeza ngezwi elikulu, wa ti, Baba, ngi ya nikela umoya wami ezandhlени zako: se e tyilo loku, wa fa. Izihl. 31. 5. 1 Pet. 2. 23. Mat. 27. 50.

Mark 15. 37. John. 19. 30.

47 Induna yekulu i bona okwenzekileyo, ya dumisa uTixo, i ti, Impela lomuntu wa e lungile. Mat. 27. 54.

Mark 15. 39.

48 Abantu bonke aba butanele ukubona loko, se be bonile okwenzekileyo, ba tyaya izifuba zabo, ba buya.

49 Bonke abazana naye, nabesifazana aba m landela be vela eGalile, bema kude, be buka lezizinto. Izihl. 38. 11. Mat. 27. 55. Mark 15. 40. John. 19. 25.

50 Bheka, wa e kona umuntu igama lake li nguJosefa, umpakati; umuntu omnene nolungileyo. Mat. 27. 57-61.

Mark 15. 42-47. John. 19. 38-42.

51 (Yena wa e nga vumelene nabo ngecebo nokwenza kwabo:) wa e ngowa seArimatia, umuzi wabaJuda, wa e bheke umbuso ka Tixo. isa. 2. 25, 38.

52 Lo wa ya kuPilatu, wa cela isidumbu sika Jesu.

53 Wa sehliisa, wa si songa ngendwangu, wa si beka etuneni, eli qotywe etyeni, lapo ku nga zanga ku fakwe umuntu.

54 Lolosuku lwa lu ngolokulungisa; iSabata la sondela. Mat. 27. 62.

55 Abesifazana abeza naye be vela eGalile ba landela, ba bona ituna, noku-bekwa kwesidumbu sake. isa. 8. 2.

56 Ba buya ba lungisa amaka namafuta; ba pumula ngeSabata njengomteto. Eks. 20. 10. Mark 16. 1.

## ISAHLUKO 24.

**N**NGOSUKU lokuqala lwesonto, eku-seni, ba fika etuneni, be pete amaka aba be wa lungisile, beza nabo abanye. Mat. 16. 1-8. Mark 16. 1-8.

John. 20. 1. isa. 23. 56.

2 Ba fumana itye li gingqiwe li susiwe etuneni.

3 Ba ngena, a ba fumananga isidumbu seNkosi uJesu.

4 Kwa ti, se be katazeke ngaloku, bheka, amadoda amabili e mi nabo, embete izingubo ezikazimulayo.

John. 20. 12. Imis. 1. 10.

5 Be sesaba ba kotamela pansi, a ti kubo, Ni funelani opilayo kwabafileyo na?  
6 Amuko lapa, u vukile: kumbulani a ku tyoyo kini, e se eGalile, Mat. 17. 23.  
Mark 9. 31. isa. 9. 22.

7 Ukuti, iNdodana yomuntu nga i nikelwa ezandhleni zezoni, i betelwe, i buye i vuke ngosuku lwesitatu.

8 Ba kumbula amazwi ake. John. 2. 22.

9 Ba buya etuneni, ba ba tyela aba ishumi nanye, nabo bonke abanye, lezizinto zonke. Mat. 28. 8. Mark 16. 10.

10 Kwa ku nguMaria Magdalene, noJoana, noMaria unina ka Jakobe, naba-nnye aba be nabo, aba tyela abapostoli lezizinto. isa. 8. 3.

11 Kepa amazwi abo a be njengenganekwane, a ba kolwanga ibo. Mark 16. 11.

12 Kwa suka uPetro, wa gijimela etuneni, wa kotama, wa bona izindwangu zi zodwa, wemuka e mangala ngokwenzekileyo. John. 20. 3, 6.

13 Bheka, nga lolosuku ababili kubo bemuka be ya emzini o tiwa iEmau, o kude neJerusalema amastadiu amashumi a isitupa. Mark 16. 12.

14 Ba kuluma ngako konke okwenzekileyo.

15 Kwa ti be sa kuluma, be buzana, wa sondela uJesu uqobo, wa hamba nabo. Mat. 18. 20. isa. 24. 36.

16 Kodwa amehlo abo a e bambekile, ba nga m azi. John. 20. 14. & 21. 4.

17 Wa ti kubo, Izindaba zini lezi, eni kuluma ngazo, ni hamba, ni nyukumele na?

18 Omunye, igama lake li nguKleopasi, wa pendula wa ti kuye, U wena wedwa ini o hlezi eJerusalema, o nga zazi izinto ezenzekileyo kona nga lezizinsuku na? John. 19. 25.

19 Wa ti kubo, Izinto zini na? Ba ti kuye, NgoJesu wa seNazareta, o be unprofeti, e naniandhla ngemisebenzi, na ngezwi, pambi kuka Tixo nabantu bonke. Mat. 21. 11. isa. 7. 16. John. 6. 14. Imis. 2. 22. & 7. 22.

20 Nokuti abapristi abakulu, nababusi ba kiti ba m uikela ukuba a lahlwe a fe, ba m betela. isa. 23. 1. Imis. 13. 27, 28.

21 Kodwa be si temba, si ti, uye o za kuhlenga abaIsraeli: kepa ku na loku konke, namhla se ku usuku lwesitatu lezizinto zenzekile. isa. 1. 68. & 2. 38. Imis. 1. 6.

22 Yebo, abesifazana ba kiti ba si mangalisa, a be be ye etuneni kusasa; Mat. 23. 8. Mark 16. 10. John. 20. 18.

23 Be nga si fumani isidumbu sake, beza, ba ti, ba bone izingelosi, ezi ti, u sa pila.

24 Njalo abanye kwaba kiti bemuka ba ya etuneni, ba fumana ku njengokutyo kwabesifazana; kodwa yena a ba m bonanga.

25 Wa ti kubo, Nina ziula eni libala enhliziyweni ukukolwa kouke, aba ku tyiloyo abaprofeti.

26 uKristu nga ba e nga hlupeki ilezozinto, a ngene ebukosini na?

Imis. 17. 3. 1 Pet. 1. 11.

27 Wa qala kuMosi na kubaprofeti bonke, wa ba casisela okushunyayelwe ngaye emibalweni yonke.

Gen. 3. 15. & 22. 18. & 26. 4. & 49. 10.

Imib. 21. 9 || Dut. 18. 15.

Izihl. 16. 9, 10. & 22. & 132. 11.

Isai. 7. 14. & 9. 6. & 40. 10, 11. & 50. 6. & 53. Jer. 23. 5. & 33. 14, 15. Eks. 34. 23. & 37. 25.

Dan. 9. 24. Mika. 7. 20. Mal. 3. 1. & 4. 2.

28 Ba sondela emzini lapa be ya kona; wa zenzisa ukudhlula. Gen. 32. 26.

Mark 6. 48.

29 Ba m ncenga, be ti, A ku hlale nati; se ku za kuhlwa; ku se ntambama. Wa ngena wa hlala nabo. Gen. 19. 3.

Imis. 16. 15.

30 Kwa ti, e hlezi nabo ekudhleni, wa tabata isinkwa, wa bonga, wa si hlepula, wa ba nika. Mat. 14. 19.

31 Amehlo abo a vuleka, ba m azi; wa nyamalala kubo.

32 Ba kuluma; be ti, Izinhliziyu zetu be zi nga vuti pakati kwetu, e sa kuluma nati endheleni, e si casisela imibalo na?

33 Besuka ngalesosikati, ba buyela eJerusalema ba fumana aba ishumi nanye naba be nabo be hlangene ndawonye.

34 Be ti, Impela, iNkosi i vukile, i bonakele kuSimone. 1 Kor. 15. 5.

35 Be landa okwenzekileyo endheleni, nokuti ba m azi ngokuhlepula isinkwa.

36 Be sa kuluma lezizindaba, uJesu wema pakati kwabo, wa ti kubo, Ukutula a ku be kini. Mark 16. 14.

John. 20. 19. 1 Kor. 15. 5.

37 Kodwa betuka, besaba, be ti ba bona itongo. Mark 6. 49.

38 Wa ti kubo, Ni katazekeleni na? ku veleleni izizindhlo ezinhliziyweni zenu na?

39 Bhekani izandhla zami nezinyawo zami, imhna uqobo; ngi pateni, ni bone;

itongo a li nanyama namatambo, nje-  
ngokuba ni ngi bona ngi nako.

John. 20. 20, 27.

40 Se e tyilo loko, wa ba bonisa iza-  
ndhla nezinyawo.

41 Be nga ku kolwa ngokutokoza be  
sa mangala, wa ti kubo, Ni nokudhla  
lapa na?

Gen. 45. 26. John. 21. 5.

42 Ba mu pa ucezu lwenhlanzi eyosi-  
weyo, neqa lezinyosi.

43 Wa tabata, wa dhla pambi kwabo.

Imis. 10. 41.

44 Wa ti kubo, Ilawamazwi, enga wa  
kuluma kini, ngi se nani, okuti, nga ku  
gewaliseka konke okulotyawe ngami  
emtetweni ka Mosi, na kubaprofeti, na  
sezihlabelweni.

Mat. 16. 21. & 17. 22. & 20. 18. Mark 8. 31.

isa. 9. 22. & 18, 31.

45 Kona wa vula izinhliziyi zabo,  
ukuba ba qonde imibalo.

Imis. 16. 14.

46 Wa ti kubo, ku njalo ku lotyiwe,  
ku njalo nga e hlupeka uKristu, a buye  
a vuke ngosuku lwesitatu.

isa. 24. 26.

Izihl. 22. Isai. 50. 6. & 53. 2 Imis. 17. 3.

47 Ku shunyayelwe ngegama lake  
ukupenduka nokutetelelwa izono ezi-  
zweni zonke; ku qalwe eJerusalem.

Dan. 9. 24. Imis. 13. 38, 46. 1 John. 2. 12.

Gen. 12. 3. Izihl. 22. 27. Isai. 49. 6, 22.

Jer. 31. 34. Hos. 2. 23. Mika 4. 2. Mal. 1. 11.

48 Nina ni ngofakazi ba lezizinto.

John. 15. 27. Imis. 1. 8, 22 & 2. 32. & 3. 15.

49 Bhokani, ngi ya tumela kini isite-  
mbiso sika Baba; hlalani emzini eJeru-  
salema, ni ze nambatiswe amandhla a  
vela pezulu.

Isai. 44. 3. Joeli 2. 28.

John. 14. 16, 26. & 15. 26. & 16. 7.

Imis. 1. 4. & 2. 1, &c.

50 Wa puma nabo, ba ya eBetani, wa  
pakamisa izandhla zake, wa ba busisa.

Imis. 1. 12.

51 Kwa ti, e sa ba busisa, wa hlukana  
nabo, wenyuselwa ezulwini. 2 Ama. 2. 11.

Mark 16. 19. John. 20. 17. Imis. 1. 9. Ef. 4. 8.

52 Ba kuleka kuye, ba buyela eJeru-  
salema be nokutokoza okukulu.

Mat. 28. 9, 17.

53 Ba be kona njalo etempelini, be bo-  
nga, be dumisa uTixo. Ameni.

Imis. 2. 46. & 5. 42.

IVANGELI NGOKUBALA KUKA

JOHANE.

ISAHLUKO 1.

**E**KUQALENI wa be e kona uLizwi,  
uLizwi wa be e noTixo, uLizwi wa  
be e nguTixo.

Amazwi 8. 22-30.

Kol. 1. 17. 1 John. 1. 1. Isam. 19. 13.

isa. 17. 5. 1 John. 1. 2. # Fil. 2. 6.

2 Yena lowo wa be e noTixo ekuqale-  
ni.

Gen. 1. 1.

3 Konke kwenziwa uye; ngapandhle  
kwake a kwenziwanga uto olwenziwa-  
yo.

Izihl. 33. 6. Ef. 3. 9. Kol. 1. 16.

Heb. 1. 2.

4 Kwa be ku kona ukupila kuye;  
ukupila kwa ku ukukanya kwabantu.

isa. 5. 26. & 8. 12. & 9. 5. & 12. 46.

1 John. 5. 11.

5 Ukukanya kwa kanya ebumnyame-  
ni; kepa ubumnyama a bu kwamkela-  
nga.

isa. 3. 19.

6 Kwa ku kona umuntu e tunyiwe  
uTixo, igama lake la li nguJohane.

Mal. 3. 1. Mat. 3. 1. Luk. 3. 2.

7 Yena weza ukuqinisa, ukuba a qi-

nise ngokukanya, ukuba bonke ba ko-  
lwe ngaye.

Imis. 19. 4.

8 Yena wa be e nge siko lokukukanya,  
kodwa wa tunyelwa ukuqinisa ngoku-  
kanya.

9 Ukukanya oku isiminya kwa ku ilo-  
ku okuzayo emhlabeni ku kanyisa aba-  
ntu bonke.

Isai. 49. 6. 1 John. 2. 8.

10 Wa be e kona emhlabeni; umhla-  
ba wenziwa uye, kepa umhlaba a u m  
azanga.

11 Weza kokwake, kepa abake a ba m  
amkelanga.

Luk. 19. 14. Imis. 3. 26. & 13. 46.

12 Kodwa labo aba m amkela, wa ba  
nika amandhla okuba ba be abantwana  
baka Tixo, labo abakolwa egameni lake.

Isai. 56. 5. 1 John. 3. 1.

13 Aba be nga zalwa igazi, nentando  
yenyama, nentando yendoda, kodwa ba  
zalwa uTixo.

isa. 3. 5. Jak. 1. 18.

1 Pet. 1. 23.

14 uLizwi wa ba inyama, wa hlala pa-  
kati kwetu, sa bona inkazimulo yake,

inkazimulo i nga ti eyozelweyo yedwa ka Yise, e gewele umusa neqiniso.

Mat. 1. 16. 1 Tim. 3. 16. || Rome 1. 3.

Gal. 4. 4. || Heb. 2. 14. Isai. 40. 5.

isa. 2. 11. & 11. 40. 2 Pet. 1. 17.

Kol. 1. 19. & 2. 3, 9.

15 uJohane wa qinisa ngaye, wa meza wa ti, Uyena e be ngi tyo ngaye ukuti, Lowo ozayo emva kwami, wa e kona pambi kwami: ngokuba wa e kona ngi nga ka bi ko.

isa. 5. 33.

Mat. 3. 11. Mark 1. 7. Luk. 3. 16. isa. 3. 31.

& 8. 58. Kol. 1. 17.

16 Tina sonke samkeliswa ekuvameni kwake umusa ngomusa.

isa. 3. 34.

Kol. 1. 19. & 2. 9, 10.

17 Umteto wa nikwa uMosi; kwa fika umusa neqiniso ngoJesu Kristu.

Eks. 20. 1. Dut. 4. 44. & 5. 1. & 33. 4.

Rome 3. 24. & 5. 21. & 6. 14. isa. 8. 32. & 14. 6.

18 uTixo ka bonanga e bonwa muntu; iNdodana ezelweyo yodwa, e sesifubeni sika Yise, iyona e m casiseleyo.

Eks. 33. 20. Dut. 4. 12. Mat. 11. 27.

Luk. 10. 22. isa. 6. 46. 1 Tim. 1. 17. & 6. 16.

1 John. 4. 12, 20. || isa. 3. 16, 18. 1 John. 4. 9.

19 Loku ku ukuqinisa kuka Johane, msukwana abaJuda ba tuma abapristi nabaLevi, be puma eJerusalema ukuya kumbuza, ukuti, Wena u ngubani na?

isa. 5. 33.

20 Wa vuma, e nga piki; wa vuma, e ti, A ngi siye uKristu mina.

isa. 3. 28.

Imis. 13. 25.

21 Ba m buza, be ti, U ubani na? U uElija na? Wa ti, A ngi siye. Ba ti, U umprofeti na? Wa pendula wa ti, Qa. Mal. 4. 5. Mat. 17. 10. Dut. 18. 15, 18.

22 Ba ti kuye, U ubani na? si ze si ba pendule aba si tumileyo. U tini ngokwako na?

23 Wa ti, Ngizwi lomemezayo ehlane, e ti, Lungisani indhlela yeNkosi, njenga ku tyoyo uIsaya umprofeti.

Mat. 3. 3.

Mark 1. 3. Luk. 3. 4. Isai. 40. 3.

24 Labo aba tunywa ba be ngaba kubaFarisi.

25 Ba m buza, ba ti kuye, Uma u nge siye uKristu, noElija, nomprofeti, u bapatzelani na?

26 uJohane wa ba pendula, wa ti, Mina ngi bapatziza ngamanzi; kodwa ku mi pakati kwenu eni nga m aziyo:

Mat. 3. 11. Mal. 3. 1.

27 Uyena ozayo emva kwami, owa e kona pambi kwami, engi nga fanele, ukuba ngi tukulule intambo yesicatulo sake.

Imis. 19. 4.

28 Loku kwenziwa eBetabara, ngapesheya kweJordani, lapa uJohane wa e bapatziza kona.

isa. 10. 40.

29 Ngangomso uJohane wa bona uJesu e za kuye, wa ti, Bheka, nanti iUndhlu lika Tixo eli susa izono zezwe.

Eks. 12. 3. Isai. 53. 7. Imis. 8. 32.

1 Pet. 1. 19. Isam. 5. 6, &c. Isai. 53. 11.

1 Kor. 15. 3. Heb. 9. 28. 1 Pet. 2. 24.

1 John. 3. 5. Isam. 1. 5.

30 Uyena e be ngi tyo ngaye ukuti, U yeza umuntu emva kwami, owa e kona pambi kwami, ngokuba wa e kona ngi nga ka bi ko.

31 Nga ngi nga m azi, kodwa ukuba a bonakaliswe kubaIsraeli, ngaloko ngi ze ngi bapatziza ngamanzi.

Mal. 3. 1.

Luk. 1. 17, 76, 77.

32 uJohane wa qinisa, e ti, Nga bona uMoya ehla ezulwini njengejuba, weza wa hlala pezu kwake.

Mat. 3. 16.

Mark 1. 10. Luk. 3. 22. isa. 5. 32.

33 Nga ngi nga m azi: kodwa o ngi tumile ukubapatziza ngamanzi, yena wa ti kimi, Lowo o ya kubona uMoya ehla, a hlale pezu kwake, uyena o bapatziza ngoMoya o ingewele.

Mat. 3. 11.

Imis. 1. 5. & 2. 4.

34 Ngi bonile, ngi qinisisile, lo u iNdodana ka Tixo.

35 Ngangomso uJohane wa e mi kona futi nababili kubafundi bake.

36 Wa bheka uJesu e hamba, wa ti, Bheka, nanti iUndhlu lika Tixo.

37 Labobafundi ababili, ba mu zwa e kuluma, ba m landela uJesu.

38 uJesu wa guquka, wa ba bona be landela, wa ti kubo, Ni funani na? Ba ti kuye, Rabi, (oku ukuti ngokukunyushwa, mFundisi), u hlalapi na?

39 Wa ti kubo, Yizani ni bone. Beza ba bona lapa e hlala kona; ba hlala naye nga lolosuku; kwa ku nga ba ihora leshumi.

40 Omunye ku labobabili aba mu zwa uJohane, be m landela, wa e nguAndrea, umfo wabo ka Simone Petro.

Mat. 4. 18.

41 Yena wa qala wa fumana umfo wabo uSimone, wa ti kuye, Si m fumene uMesia (oku ukuti ngokukunyushwa, uKristu).

42 Wa m yisa kuJesu. uJesu e m bheka wa ti, Wena u nguSimone, indodana ka Jona, u ya kubizwa ngokutiwa, uKefasi (ukuti ngokukunyushwa, itye).

Mat. 16. 18.

43 Ngangomso uJesu wa tanda uku-

puma ukuya eGalile; wa fumana uFilipu, wa ti kuye, Ngi landele.

44 uFilipu wa e ngowa seBetsaida, emzini ka Andrea noPetro. isa. 12. 21.

45 uFilipu wa fumana uNataneli, wa ti kuye, Si m fumene lowo, aba loba ngaye emtetweni oMosi nabaprofeti, uJesu wa seNazareta, indodana ka Josefa. isa. 21. 2. Gen. 3. 15. & 49. 10.

Dut. 18. 18. || Isai. 4. 2. & 7. 14. & 9. 6. & 53. 2. Mika 5. 2. Zek. 6. 12. & 9. 9. Mat. 2. 23.

Luk. 2. 4. & 24. 27.

46 uNataneli wa ti kuye, Ku nga vela into elungileyo eNazareta na? uFilipu wa ti kuye, Yiza u bone. isa. 7. 41, 42, 52.

47 uJesu wa bona uNataneli e za kuye, wa ti ngaye, Nangu umIsraeli impela, o nge nankohliso. Izihl. 73. 1.

isa. 8. 39. Rome 2. 29. & 9. 6.

48 uNataneli wa ti kuye, U ngazi ngani na? uJesu wa pendula wa ti kuye, Nga ku bona u nga ka bizwa uFilipu, u pansi komkiwane.

49 uNataneli wa pendula wa ti kuye, Rabi, u iNdodana ka Tixo, u inkosi ya kwa Israeli. Mat. 14. 33. & 27. 42.

50 uJesu wa pendula wa ti kuye, U ya kolwa, ngokuba nga ti kuwe, Nga ku bona u pansi komkiwane na? U ya kubona okukulu ku na loku.

51 Wa ti kuye, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Ni ya kubona izulu li vuleka, nezingelosi zika Tixo zenyuka, zehlela pezu kweNdodana yomuntu.

Gen. 28. 12.

## ISAHLUKO 2.

**K**WA ti ngosuku lwesitatu kwa ba kona umtimba eKana la seGalile; wa e kona unina ka Jesu.

2 Kwa menywa uJesu nabafundi bake ukuza emtimbeni.

3 Se li swlekile iwaini, unina ka Jesu wa ti kuye, Ka ba nalo iwaini.

4 uJesu wa ti kuye, Mame, ku ini kimi nawe na? isikati sami a si ka fiki.

isa. 19. 26. & 7. 6.

5 Unina wa ti ezincekwini, Yenzani loku a za ku ni tyela kona.

6 Kwa ku kona izimbiza zamatyé, zi isitupa, zi mi kona ngomkuba wokuhlambulula kwabaJuda, ezanela izilinganiso ezimbili, nokuba zintatu, ngazinye.

Mark 7. 3.

7 uJesu wa ti kuzo, Gewalisani izimbiza ngamanzi. Za zi gwalisa za ti ciki.

8 Wa ti kuzo, Yikani kaloku, ni yise enkosini yokudhla. Za yisa.

9 Inkosi yokudhla, se i zwile amanzi e be enziwe iwaini (ya i nga lazi lapa li vela kona, kepa izinceku e be zikile amanzi be zi lazi), inkosi yokudhla ya biza unyeni, isa. 4. 46.

10 Ya ti kuye, Abantu bonke ba beka iwaini elimnandi kuqala, ku ti lapa se ku puziwe kakulu, ba beka elibi, kodwa wena u genile iwaini elimnandi ku ze ku be manje.

11 Lesisibonakaliso sokuqala uJesu wa senza eKana la seGalile, wa bonakalisa ubukosi bake; abafundi bake ba kolwa uye. isa. 1. 14.

12 Ngasemva kwaloko wehlela eKapernaume, yena nonina nabafo wabo nabafundi bake; ba hlala kona izinsuku zi nge ziuingi. Mat. 12. 46.

13 Kwa ku seduze ipasika labaJuda; uJesu wa kupukela eJerusalema.

Eks. 12. 14. Dut. 16. 1.

isa. 5. 1. & 6. 4. & 11. 55.

14 Wa fumana etempelini aba be tengisa ngezinkomo nezimvu namajuba, nabatyentyisa imali be kona. Mat. 21. 12.

Mark 11. 15. Luk. 19. 45.

15 Wenza inkalivasi ngezintambo, wa ba kipa bonke etempelini, nezimvu nezinkomo; wa cita imali yabatyentyisa-yo, wa gumbuqela amatebula.

16 Wa ti kwabatengisa ngamajuba, Susani lapa lezizinto; ni nga yenzi indhlu ka Baba i be indhlu yokutenga.

Luk. 2. 49.

17 Abafundi bake wa kumbula ukuba ku lotyiwe ukuti, Ngi dhliwe ukukutalela indhlu yako. Izihl. 69. 9.

18 Ba pendula abaJuda, ba ti kuye, U si bonisa isibonakaliso sini sokuti wenza loku na? Mat. 12. 38. isa. 6. 30.

19 uJesu wa pendula wa ti kubo, citani lelitempeli, ngo buya ngi li vuse ngezinsuku ezintatu. Mat. 26. 61. & 27. 40.

Mark 14. 58. & 15. 29.

20 Ba ti abaJuda, Lelitempeli lakiwa ngeminyaka emashumi amaane nesitupa, kepa wena wo li vusa ngezinsuku ezintatu na?

21 Kodwa wa kuluma ngetempelini lomzimba wake.

Kol. 2. 9. Heb. 8. 2.

1 Kor. 3. 16. & 6. 19. 2 Kor. 6. 16.

22 Se e vukile kwabafuleyo, abafundi bake ba kumbula ukuba e be tyilo loku; ba kolwa incwadi nezwi a be li tyilo uJesu. Luk. 24. 8.

23 Msukwana e seJerusalema emhlanganweni wepasika, abanangi ba kolwa

igama lake, be bone izibonakaliso zake a zenzayo.

21 Kodwa uJesu ka zinikelanga kubo, ngokuba e bazi bonke,

25 Wa e nga dingi ukuba ku qiniswe muntu ngomuntu; wa e kwazi yena oku sebantwini. 1 Sam. 16. 7. Mat. 9. 4. isa. 6. 64. & 16. 30. Isam. 2. 23.

ISAHLUKO 3.

**K**WA ku kona umuntu wa kubaFarisi, igama lake uNikodemu, induna ya-baJuda.

2 Lowo weza kuJesu ebusuku, wa ti kuye, Rabi, si yazi ukuba u ngumfundisi o vela kuTixo; a ku ko muntu o nga zenza lezizibonakaliso o zenzayo, uTixo e nge naye.

isa. 7. 50. & 19. 39. & 9. 16, 33.

Imis. 2. 22. & 10. 38.

3 uJesu wa pendula wa ti kuye, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Uma umuntu e nga zalwa ngokwapezulu, a uge bone umbuso ka Tixo. isa. 1. 13.

Gal. 6. 15. Titusi 3. 5. Jak. 1. 18.

1 Pet. 1. 23. 1 John. 3. 9.

4 uNikodemu wa ti kuye, Umuntu a nga zalwa kanjani, e se mdala na? A nga ngena esiswini sika nina ngokwesibili, a zalwe na?

5 uJesu wa pendula wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Uma umuntu e nga zalwa ngamanzi na ngomoya, a nge ngenembusweni ka Tixo. Mark 16. 16. Imis. 2. 38.

6 Loku oku zelwe ngenyama, ku inyama; na loku oku zelwe ngomoya, ku uMoya.

7 U nga mangali ngokuba ngi ti kuwe, Nga ni zalwa ngokwapezulu.

8 Umoya u pepeta lapa u tanda kona, u lu zwe udumo lwawo, kodwa a wazi lapa u vela kona, na lapa u ya kona; ba njalo bonke aba zelwe ngomoya.

Ums. 11. 5. 1 Kor. 2. 11.

9 uNikodemu wa pendula wa ti kuye; Loku ku nga ba kanjani na?

isa. 6. 52, 60.

10 uJesu wa pendula wa ti, kuye, Wena u umfundisi wa kwa Israeli, a u kwazi loku na?

11 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Si ya ku tyo esi kwaziyo, nesi ku bonileyo, si ku qinise; kodwa a ni kwamkeli ukuqinisa kwetu. isa. 3. 32.

12 Uma ngi ni tyelile oku semhlabeni, ni nga kolwa; ni ya kukolwa kanjani, uma ngi ni tyela oku sezulwini na?

13 A kwenyukanga muntu ukuya ezulwini, kupela yena owehla ezulwini, iNdodana yomuntu e sezulwini.

Amazwi 30. 4. Imis. 2. 34. 1 Kor. 15. 47.

Ef. 4. 9, 10.

14 NjengoMosi wa pakamisa inyoka ehlane, ng njalo iNdodana yomuntu nga i pakanyiswa:

Imib. 21. 9.

isa. 8. 28. & 12. 32.

15 Ukuba bonke aba kolwa iyo ba nga bubu, ba be nokupila okupakade.

isa. 6. 47.

16 uTixo wa li tanda izwe kangaka, wa nika iNdodana yake e zelwe yodwa, ukuba bonke aba kolwa iyo ba nga bubu, ba be nokupila okupakade.

Rome 5. 8. 1 John. 4. 9.

17 uTixo ka i tumelanga iNdodana yake ezweni ukuba a li lahle, kodwa ukuba izwe li sindiswe iyo.

isa. 5. 45. & 8. 15. & 12. 47. 1 John. 4. 14.

18 O kolwa iyo a ka lahliwa; kodwa o nga kolwa u se lahliwe, loku e nga kolwa egameni leNdodana e zelwe yodwa ka Tixo.

isa. 5. 24.

19 Ukulahlwa iloku ukuti, ukukanya ku fikile emhlabeni, kepa abantu ba tanda ubumnyama ku nokukanya, ngokuba imisebenzi yabo i mibi. isa. 1. 4, 9.

20 Bonke abenza okubi ba zonda ukukanya; a bezi ekukanyeni, funa i dalulwe imisebenzi yabo. Jobe 24. 13, 17.

Ef. 5. 13.]

21 Kodwa o lenza iqiniso u yeza ekukanyeni, ngokuba imisebenzi yake i bonakale, ukuba i setyenzwe ngoTixo.

22 Ngasemva kwaloko uJesu weza nabafundi baka, ba ya ezweni la seJudia; wa hlala kona nabo, wa bapatisa.

isa. 4. 2.

23 uJohane wa be e bapatisa eEnoni, eduze neSalemi, be ku kona amanzi amaningi; beza ba bapatiswa.

1 Sam. 9. 4. Mat. 3. 5, 6.

24 uJohane wa e nga ka fakwa etilongweni. Mat. 14. 3.

25 Kwa ku kona ukupikisana kubafundi baka Johane nabaJuda ngokuhlambulula.

26 Beza kuJohane ba ti kuye, Rabi, lowo owa be e nawe pesheya kweJordan, owa qinisa ngaye, bhaka, u ya bapatisa, beza kuye bonke. isa. 1. 7, 15, 27, 34.

27 uJohane wa pendula wa ti, Umuntu a nge lwamkele uto uma e nga lu piwanga lu vela ezulwini. 1 Kor. 4. 7.

Jak. 1. 17.

28 Nina ni ya qinisa kimi ukuti nga

ti, A ngi siye uKristu, nga ti ngi tunywe pambi kwake. Mal. 3. 1.

Mark 1. 2. Luk. 1. 17.

29 O nomlobokazi u umyeni: isihlobo somyeni esiniyo nesimuzwayo si ya jabula nokujabula ngezwi lomyeni; lenjabulo yami i si pelele. Mat. 22. 2.

2 Kor. 11. 2.

30 Nga e kula yena, ngi ncipe mina.

31 O vela emhlabeni u ngowomhlaba, u kuluma ngomhlaba; o vela ngapezulu u pezu konke; o vela emhlabeni u ngowomhlaba, u kuluma ngomhlaba; o vela ngapezulu u pezu konke. isa. 8. 23. || Rome 9. 5.

1 Kor. 15. 47. || isa. 6. 33. Ef. 1. 21. Fil. 2. 9.

32 U qinisa loku a ku bonileyo na ku zwileyo; kodwa akuko muntu o kwamkela ukuqinisa kwake.

isa. 8. 26. & 15. 15.

33 O kwamkela ukuqinisa kwake u bekile upau lokuti, uTixo u qinisele.

Rome 3. 4. 1 John. 5. 10.

34 Lowo a m tumileyo uTixo, u ya kuluma amazwi ka Tixo, ngokuba uTixo e nga niki uMoya ngokulinganisa.

isa. 7. 16. & 1. 16.

35 uYise u ya tanda iNdodana, u nikele konke esandhlени sayo.

Mat. 11. 27. & 28. 18. Luk. 10. 22. isa. 5. 20.

Heb. 2. 8.

36 O kolwa iNdodana u nokupila okupakade; o nga kolwa iNdodana a ka sa yi kubona ukupila; kodwa ulaka luka Tixo u hlezi pezu kwake. Hab. 2. 4.

isa. 1. 12. & 6. 47. Rome 1. 17.

#### ISIAHLUKO 4.

**I**NKOSI se yazi ukuti abaFarisi be zwile ku tiwa, uJesus wenzile wa bapatisa abafundi abanengi ku noJohane;

isa. 3. 22, 26.

2 (Kepa uJesus ka bapatiszanga uqobo, kwa bapatisa abafundi bake,)

3 Wemuka eJudia, wa buyela eGalile.

4 Wa e za kudabula iSamaria.

5 Wa fika emzini wa seSamaria o tiwa iSukari, ku seduze nezwe uJakobe a li nika uJosefa indodana yake.

Gen. 33. 19. & 48. 22. Josh. 24. 32.

6 Wa u kona lapo umtombo ka Jakobe. uJesus e katele ukuhamba, wa hlala nga semtonjeni; kwa ku ihora lesitupa.

7 Kwa fika umfazi wa seSamaria, e za kuka manzi, uJesus wa ti kuye, Ngi puzise.

8 Ba be mukile abafundi bake ukuya emzini, ukuba ba tenge ukudhla.

9 Umfazi wa seSamaria wa ti kuye,

Zulu, John.

Wena u umJuda u celalani ukupuza kimina, engi umfazi wa seSamaria na? loku abaJuda be nga hlangani namaSamaria.

2 Ama. 17. 24. Luk. 9. 53.

Imis. 10. 28.

10 uJesus wa pendula wa ti kuye; uma u be wazi isipo sika Tixo, nokuba ubani o tyo kuwe ukuti, Ngi puzise, nga u cele kuye, yena nga e ku nike amanzi okupila.

Isai. 12. 3. & 44. 3. Jer. 2. 13.

Zek. 13. 1. & 14. 8.

11 Umfazi wa ti kuye, Nkosi, a u nesitya sokuka, umtombo u julile; amanzi okupila o nawo a vela ngapi na?

12 Wena u mkulu ku noba wetu, uJakobe, owa si pa lomtombo, wa puza kuwo, yena namadodana ake, nemihlabi yake na?

13 uJesus wa pendula wa ti kuye, Lowo o puza lawamanzi, wo buya ome.

14 Kodwa o puza amanzi engi ya kumnika wona, ka sa yi koma napakade; amanzi engi ya kumnika wona, a ya kuba pakati kwake umtombo wamanzi a pupumayo, ku be ukupila okupakade.

isa. 6. 35, 58. & 7. 38.

15 Umfazi wa ti kuye, Nkosi, ngi pe lawamanzi, ngi ngomi, ngi ngezi kuka lapa.

isa. 6. 34.

16 uJesus wa ti kuye, Hamba u bize indoda yako, u ze lapa.

17 Umfazi wa pendula wa ti, A ngi nandoda. uJesus wa ti kuye, U tyo kahle ngokuti, A ngi nandoda.

18 Wa bu namadoda amahlanu; le o nayo kaloku, a siyo indoda yako; u qinisile uma u tyo loko.

19 Umfazi wa ti kuye, Nkosi, ngi ya bona, u umprofeti.

Luk. 7. 16.

isa. 6. 14. & 7. 40.

20 Obaba betu ba dumisa ku lentaba; nina ni ti, indawo i seJerusalema, lapa nga ku duniyisw kona.

Abahl. 9. 7.

Dut. 12. 5, 11. 1 Ama. 9. 3. 2 Kron. 7. 12.

21 uJesus wa ti kuye, Mame, kolwa imi, isikati si yeza, lapo ni nga yi kumdumisa uYise ku lentaba na seJerusalema.

Mal. 1. 11. 1 Tim. 2. 8.

22 Nina ni dumisa eni nga kwaziyo; tina si ya kwazi esi ku dumisayo; ukusindisa ku vela kubaJuda.

2 Ama. 17. 29.

Isai. 2. 3. Rome 9. 4, 5.

23 Kepa isikati si yeza, se si kona na manje, sokuti, abadumisi abaqinisileyo ba ya kumdumisa uYise ngomoya na ngeqiniso; uYise u funa abamdumisayo abanjalo.

Fil. 3. 3.

24 uTixo u uMoya; abamdumisayo

nga be m dumisa ngomoya na ngeqiniso. 2 Kor. 3. 17.

25 Umfazi wa ti kuye, Ngi yazi, uMesa u yeza, o tiwa uKristu; se e fikile yena, wo si tyela konke.

26 uJesu wa ti kuye, Mina engi kuluma nawe ngi uye. Mat. 26. 63, 64.

Mark 14. 61, 62. isa. 9. 37.

27 Kona ba fika abafundi bake; ba mangala ngokuba e kuluma nomfazi; kepa a ku tyongo namunye ukuti, U funani na? u kulumelani naye na?

28 Umfazi wa shiya imbiza yake, wa ya emzini, wa ti kubantu,

29 Wozani, ni bone umuntu o ngi tyele konke engi kwenzileyo? a siye uKristu lo na?

30 Ba puma emzini, beza kuye.

31 Nga lesosikati abafundi ba m neenga, be ti, Rabi, yidhla.

32 Wa ti kubo, Ngi nokudhla engi ku dhlayo, eni nga kwaziyo.

33 Ba se be kuluma abafundi, be ti, U kona ini o m letele ukudhla na?

34 uJesu wa ti kubo, Ukudhla kwami ku ukwenza intando yongitumileyo no-kuqeda umsebenzi wake. Jobe 23. 12.

isa. 6. 38. & 17. 4. & 19. 30.

35 A ni tyo ini, Izinyanga zi se zine, ku fike ukuvuna na? Bhekani, ngi ti kini, kangelani, ni bone amabuya, a se mhlope ku vunwe. Mat. 9. 37. Luk. 10. 2.

36 Ovunayo wamkeliswa unvuzo, a bute ukudhla ku be ukupila okupakade, ukuba ohlwanyelayo a tokoze kanye novunayo. Dan. 12. 3.

37 Nga loku li qinisile lelizwi lokuti, Ohlwanyelayo u yedwa, u ngomunye ovunayo.

38 Nga ni tumela ukuvuna loko ni nga ku sebenzanga; kwa sebenza abanye, kepa ni ngene emsebenzini wabo.

39 Kwa kolwa uye amaSamaria amaningi a lomuzi, ngokutyo komfazi, owa qinisa ngokuti, Wa ngi tyela konke engi kwenzileyo.

40 Njalo se e fikile kuye amaSamaria, a m neenga ukuba a hlale nabo: wa hlala kona izinsuku ezimbili.

41 Abaningi kakulu ba kolwa ngezwi lake;

42 Ba ti kumfazi, A si sa kolwa ngokutyo kwako; si zizwele tina, si yazi, lo u nguKristu isibili, umsindisi wezwe.

isa. 17. 8. 1 John. 4. 14.

43 Emva kwezinsuku ezimbili wemuka lapo, wa ya eGalile.

44 Ngokuba yena uJesu wa qinisa uku-

ti, umprofeti ka nakudunyiswa ezweni la kubo. Mat. 13. 57. Mark 6. 4. Luk. 4. 24.

45 See fikile e Galile, abaseGalile ba m amkela, be bonile konke a kwenzayo eJerusalema emhlanganweni, ngokuba ba be yile nabo emhlanganweni.

isa. 2. 23. & 3. 2. Dut. 16. 16.

46 Njalo uJesu wa buya weza eKana la seGalile, lapo a wenza kona amanzi a ba iwaini. Kwa ku kona induna, indodana yayo i gula eKapernaume.

isa. 2. 1, 11.

47 Yona se i zwile ku tiwa uJesu u fikile eGalile, e vela eJudia, ya ya kuye, ya m ncenga ukuba ehle, a pilise indodana yayo; ya be se i za kufa.

48 uJesu wa ti kuyo; Uma ni nga boni izibonakaliso nemimangaliso, a ni yi kukolwa. 1 Kor. 1. 22.

49 Induna ya ti kuye, Nkosi, i ke wehle, e nga ka fi umntwana wami.

50 uJesu wa ti kuyo, Hamba, indodana yako i pilile. Lomuntu wa kolwa izwi, a be li tyilo kuye uJesu, wemuka.

51 Kwa ti se ehla, izineeku zake za m hlangebeza, za bika za ti, Umntanako u pilile.

52 Wa buza kuzo isikati a qala ukusinda ngaso; za ti kuye, Izolo, ngehora lesikombisa, ufehle lwa m yeka.

53 Uyise wa e sazi ukuba iso isikati, uJesu a tyo ngaso kuye ukuti, Indodana yako i pilile. Wa kolwa uye, yena nendhlu yake yonke.

54 Lesisibonakaliso e sesibili uJesu wa senza, e fikile eGalile, e vela eJudia.

## ISAHLUKO 5.

**E**MVA kwa loku kwa ku kona umhlangano wabaJuda, uJesu wa kupukelela eJerusalema. Levi 23. 2. Dut. 16. 1.

isa. 2. 13.

2 Kwa ku kona eJerusalema nga sangweni lezimvu, icibi eli tiwa ngokwamaHeberu, iBetesda, i neminyango emihlanu. Neh. 3. 1. & 12. 39.

3 & 4 Kwa ku lele kuyo abaningi kakulu abagulayo, izimpumpute, nezinyonga, nabashwabeneyo.

5 Kwa ku kona umuntu owa e gula iminyaka emashumi amatatu nashiya-galombili.

6 uJesu e bona lomuntu e lele, wazi ukuba wa se e njalo isikati eside, wa ti kuye, U ya tanda ukupiliswa na?

7 Ogulayo wa pendula wa ti kuye, Nkosi, a ngi namuntu wokungafaka eebini, uma amanzi e zatayazanyiswe;



lapa ngi zayo kwelha omunye pambi kwani.

8 uJesu wa ti kuye, Suka, u tabate umbede wako, u hambe. Mat. 9. 6.

Mark 2. 11. Luk. 5. 24.

9 Wa se e pila lomuntu, wa tabata umbede wake, wa hamba. Kwa ku isabata nga lolosuku. isa. 9. 14.

10 Kona abaJuda ba ti kopilisiweyo, Ku isabata, a ku fanele u pate umbede.

Eks. 20. 10. Neh. 13. 19. Jer. 17. 21, 22.

Mat. 12. 2. Mark 2. 24. & 3. 4.

Luk. 6. 2. & 13. 14.

11 Wa ba pendula wa ti, O ngi pilisileyo u te kimi, Tabata umbede wako, u hambe.

12 Ba m buza, ba ti, Ubani lomuntu o te kuwe, Tabata umbede wako, u hambe na?

13 Opilisiweyo wa e nga m azi ukuba u ngubani, loku uJesu e muke, be balingi ku leyondawo.

14 Emva kwa loko uJesu wa m fumana etempelini, wa ti kuye, Bheka, u pilile; u nga be u sona, funa ku kwelhlele okubi ku na loku. Mat. 12. 45.

isa. 8. 11.

15 Wemuka umuntu, wa ba tyela abaJuda, wa ti, uJesu owa m pilisayo.

16 Nga loko abaJuda ba m hlupa uJesu, ba funa ukumbulala, ngokuba wa kwenza loku ngesabata.

17 uJesu wa ba pendula wa ti, uBaba u sa sebenza na kaloku, nami ngi ya sebenza. isa. 9. 4. & 14. 10.

18 Njalo abaJuda ba funa kakulu ukumbulala; ngokuba wa e nga pule isabata lodwa, wa buya wa ti uTixo u uYise wake, e zenza o lingene noTixo.

isa. 7. 19. & 10. 30, 33. Fil. 2. 6.

19 Kona uJesu wa pendula, wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, iNdodana i nge zenzele uto yodwa, kupela loku e bona uyise e kwenza; loku a kwenzayo yena, i ya kwenza neNdodana. isa. 8. 28. & 12. 49. & 14. 10.

20 uYise u ya i tanda iNdodana, a i bonise konke a kwenzayo; wo i bonisa imisebenzi emikulu ku na le, ukuze ni mangale. Mat. 3. 17. isa. 3. 35. 2 Pet. 1. 17.

21 NjengoYise e vusa abafileyo, a ba pilise, njalo neNdodana i ba pilisa e tanda ukubapilisa. Luk. 7. 14. & 8. 54.

isa. 11. 25, 43.

22 uYise ka m ahluleli umuntu; u i nikele iNdodana ukwahlula konke,

Mat. 11. 27. & 23. 18. Imis. 17. 31.

1 Pet. 4. 5.

23 Ukuba bonke ba dumise iNdodana njengokuba be dumisa uYise. O niga i dumisi iNdodana, ka m dumisi uYise, o i tumileyo. 1 John. 2. 23.

24 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O li zwa izwi lami, a kolwe o ngi tumileyo, u nokupila okupakade; a kezi ekulahlweni; kepa se e dhlulile ukufa u ye ekupileni.

isa. 3. 18. & 8. 51. & 20. 31. 1 John. 3. 14.

25 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Isikati si yeza, se si kona na manje, lapo abafileyo ba ya kulizwa izwi leNdodana ka Tixo, abezwayo ba ya kupila. Ef. 5. 14.

26 NjengoYise u nokupila kuye, njalo u nikile iNdodana i be nokupila kuyo.

27 U i nikile amandhla okwahlula, ngokuba i iNdodana yomuntu.

Imis. 10. 42. Dan. 7. 13, 14.

28 Ni nga mangali ngaloku; isikati si yeza, aba ya kulizwa izwi layo ngaso bonke aba sematuneni,

29 Ba ti, abenze ukulunga, ba pumele ekuvukeni kokupila, abenze okubi, ekuvukeni kokulahlwa. 1 Kor. 15. 52. 1 Tes. 4. 16. Dan. 12. 2. Mat. 25. 32, 33, 46.

30 Ngi nge zenzele uto ngedwa; ngi yahlula njengokuzwa kwami; ukwahlula kwami ku lungile, loku ngi nga funi intando yami, ngi funa intando ka Baba o ngi tumileyo. Mat. 26. 39.

isa. 4. 34. & 6. 38.

31 Uma ngi ziqinisela muna, ukuqinisa kwami a ku qinisile. isa. 8. 14.

32 U kona omunye o qinisa ngami; ngi yazi ku qinisile ukuqinisa, a ku qinisayo ngami. isa. 8. 18. 1 John. 5. 9.

33 Na tuma kuJohane, wa qinisa iqiiso. isa. 1. 15, 19, 27, 32.

34 Kepa a ngi kwamkeli ukuqinisa kumuntu; ngi tyo loku ukuba ni sindiswe.

35 Lo wa e esibani esivutayo nesikanyayo; nina be ni tanda ukujabula isikatyana ngokukanya kwake. 2 Pet. 1. 19. Mat. 13. 20. & 21. 26. Mark 6. 20.

36 Kepa ngi nokuqinisa okukulu ku nokuka Johane; imisebenzi uBaba a ngi nika yona, ukuba ngi i qede, iyo imisebenzi engi yenzayo, i ya qinisa ngami, ukuti, uBaba u ngi tumile.

1 John. 5. 9. isa. 3. 2. & 10. 25. & 15. 24.

37 Naye uBaba o ngi tumileyo u qinisile ngami. A ni zanga ni zwe izwi lake na nini; a ni bonanga isimo sake.

Mat. 3. 17. & 17. 5. isa. 6. 27. # Dut. 4. 12.

isa. 1. 18. 1 John. 4. 12.

38 Izwi lake a ni nalo eli hlezi pakati kwenu, loku ni nga kolwa uye, a m tumileyo.

39 Hlolani imibalo, ngokuba ni ti ni nokupila okupakade kuyo; iyona e qinisa ngami. Isai. 8. 20. Luk. 16. 29.

Imis. 17. 11. || Dut. 18. 15. Luk. 24. 27.

40 Kepa a ni yumi ukuza kimi, ukuba ni be nokupila. isa. 1. 11. & 3. 19.

41 A ngamkeli ukudunyiswa kubantu mina. 1 Tes. 2. 6.

42 Kodwa ngi ya nazi, a ni nalo utando luka Tixo pakati kwenu.

43 Ngi zile ngegama lika Baba, kodwa a ni ngamkeli; uma ku fika omunye ngegama lake, lowo ni ya kumankela.

44 Ni nga kolwa kanjani nina, enamkela ukudunyiswa abanye kwabanye, ni nga funi ukudunyiswa oku vela kuTixo yedwa na? isa. 12. 43. Rome 2. 29.

45 Ni nga zindhli ni ti, ngi ya kuniceba kuBaba; u kona o ni cebayo, uMosi, eni temba kuye. Rome 2. 12.

46 Uma be ni kolwa uMosi, nga ni kolwa imina; yena wa loba ngami.

Gen. 3. 15. & 12. 3. & 18. 18. & 22. 18. & 49. 10. Dut. 18. 15.

47 Kodwa uma ni nga kolwa imibalo yake, ni ya kukolwa kanjani amazwi ami?

#### ISAHLUKO 6.

**E**MVA kwa loku uJesu wemuka wa ya ngapesheya kolwandhile lwa seGalile, olwa seTiberia. Mat. 14. 15.

Mark 6. 35. Luk. 9. 10, 12.

2 Abantu abaningi ba m landela, ngokuba be bone izibonakaliso zake, a zenzayo kwabagulayo.

3 uJesu wenyukela entabeni wa hlala kona nabafundi bake.

4 Kwa ku seduze ipasika, umhlangano wabaJuda. Levi 23. 5, 7. isa. 2. 13.

5 uJesu wa bheka, wa bona abantu abanungi be za kuye, wa ti kuFilipu, Si ya kutengapi ukudhla, ba dhle laba na? Mat. 14. 13-21. Mark 6. 32-44. Luk. 9. 10-17

6 Wa tyo loku e m linga; yena wa e kwazi a za kukwenza.

7 uFilipu wa m pendula wa ti, Izinkwa zodenario abamakulu mabili zi nge banele, ku be ilowo a tabate incozana.

8 Omunye kubafundi bake, uAndrea, umfo wabo kaSimone Petro, wa ti kuye,

9 U kona lapa umfana o nezinkwa zebarle ezi isihlanu, nezinhlanzana ezimbili; kepa ku ini loku kwabaningi kangaka na?

10 uJesu wa ti, Ba hlaliseni abantu. Kwa ku kona utyani obuningi ku leyo ndawo. Abantu ba hlala panshi, ukuma kwabo ku nga izinkulungwane ezi isihlanu.

11 uJesu wa tabata izinkwa, wa bonga, wa zi nika abafundi, abafundi ba babelab abahleziyo futi ngezinhlanzi ngenokutanda kwabo.

12 Se be suti, wa ti kubafundi bake, Butani imvutuluka eseleyo, ku nga citeki luto.

13 Ba se be buta ba gewalisa amaqoma a ishumi nambili ngenvutuluka yezinkwa ezi isihlanu zebarle ezi sele kwabadhlileyo.

14 Kona labobantu, se be bonile isibonakaliso a be senzile uJesu, ba ti Impele, lo u ngumprofeti ozayo emhlabeni.

Gen. 49. 10. Dut. 18. 15, 18. Mat. 11. 3.

isa. 1. 21. & 4. 19. & 7. 40.

15 uJesu e bona ukuba ba za kumbamba, ba m enze inkosi, wa buya wa mukela entabeni e yedwa.

16 Se ku hlwile, abafundi bake beukela elwandhile. Mat. 14. 23. Mark 6. 47.

17 Ba ngena emkunjini, ba wela ulwandhile ukuya eKapernaume. Kwa be se ku mnyama, uJesu wa e nga ka fiki kubo.

18 Kwa vuka ulwandhile ngomoya opepetayo.

19 Se be qubekile ku nga ti izitadiu ezimashumi mabili nesihlanu, mhlambe ezimashumi matatu, ba bona uJesu e hamba pezu kolwandhile, e sondela emkunjini, besaba.

20 Wa ti kubo, Imina, ni ngesabi.

21 Ba m amkela emkunjini ngokujubula, umkunibi wa se u fika masinyane ezweni aba be ya kulo.

22 Ngangonso abantu aba be mi ngapesheya kolwandhile be bona ku nge ko omunye umkunjana, kupela lowo aba ngena kuwo abafundi bake, nokuba uJesu e nga ngenanga emkunjini kanye nabafundi bake, kepa abafundi bake bemuka bodwa;

23 (Kodwa kwa fika imikunjana i vela eTiberia, ku seduze na lendawo lapa ba dhla kona isinkwa, iNkosi i bongile:)

24 Abantu se be bonile e nge ko lapo, be nge ko nabafundi bake, ba ngena emkunjini nabo, beza eKapernaume, be funa uJesu.

25 Ba m fumana ngapesheya kolwandhile, ba ti kuye, Rabi, weza lapa nini na?

26 uJesu wa pendula, wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, A ni ngi funi ngokuba na bona izibonakaliso, ni ya ngi funa ngokuba na dhla izinkwa ne suta.

27 Kepa ni nga sebenzeli ukudhla okububayo, sebenzelani ukudhla okumiyi, ku be ukupila okupakade, e ya kuninika kona iNdodana yomuntu; ngokuba uYise uTixo u bekile upau kuyo.

isa. 4. 14 || Mat. 3. 17. & 17. 5.  
Mark 1. 11. & 9. 7. Luk. 3. 22. & 9. 35.  
isa. 1. 33. & 5. 37. & 8. 18. Imis. 2. 22.  
2 Pet. 1. 17.

28 Ba ti kuye, Si ngenze njani, si ze si sebenze imisebenzi ka Tixo na?

29 uJesu wa pendula, wa ti kubo, Nlowo umsebenzi ka Tixo, ukuba ni kolwe uye a m tumileyo.

1 John. 3. 23.

30 Ba ti kuye, Wenza isibonakaliso sini, si bone, si kolwe uwe na? u sebenzani na?

Mat. 12. 38. 1 Kor. 1. 22.

31 Obaba betu ba dhla imana ehlane njengokulotyweyo ukuti, Wa ba nika ukuba ba dhle isinkwa esi vela ezulwini.

Eks. 16. 15. Imib. 11. 7. Neh. 15. 1  
1 Kor. 10. 3. Izihl. 78 24, 25.

32 uJesu wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, uMosi ka ni nika-nga isinkwa esi vela ezulwini; kodwa uBaba u ni nika isinkwa esi vela ezulwini ngqobo lwaso.

33 Isinkwa sika Tixo si uyena owehla ezulwini, o li nika izwe ukupila.

34 Ba se be ti kuye, Nkosi, si pe lesinkwa ngesikati sonke.

isa. 4. 15.

35 uJesu wa ti kubo, Mina ngi isinkwa sokupila; ozayo kimi ka yi kulamba, nokolwa imi ka yi koma.

isa. 4. 14. & 7. 37.

36 Kodwa nga ti kini, Ni ngi bonile, a ni kolwanga.

37 Konke a ngi nika kona uBaba, ko za kimi; nozayo kimi a ngi sa yi kulahlala.

Mat. 24. 24. isa. 10. 23, 29.

38 A ngehlanga ezulwini, ukuba ngenze intando yami, ngehle ukuba ngenze intando yongitumileyo.

Mat. 26. 39.  
isa. 5. 30.

39 Loku ku intando ka Baba o ngi tumileyo, ukuba konke a ngi nika kona ngi nga lahlekelwa uto kuko, kepa ngi ku vusa ngomhla wokupela.

isa. 17. 12. & 18. 9.

40 Loku ku intando yongitumileyo, ukuba lowo o bona iNdodana, e kolwa iyo, a be nokupila okupakade, ngo m vusa ngomhla wokupela.

isa. 3. 15, 16.

41 Kona abaJuda ba konona ngaye, ngokuba wa ti, Mina ngi isinkwa e sehla ezulwini.

42 Ba ti, Lo a siye uJesu indodana ka Josefa, oyise nonina esi baziyo na? u tyo kanjani po ukuti, Ngehlile ezulwini na?

Mat. 13. 55. Mark 6. 3. Luk. 4. 22.

43 uJesu wa pendula, wa ti kubo, Ni nga kononi pakati kwenu.

44 A ku ko muntu o ngeza kimi, uma uBaba o ngi tumileyo e nga m donsi: ngi ze ngi m vuse ngomhla wokupela.

Isihl. 1. 4.

45 Ku lotyiwe kubaprofeti ukuti, Ba ya kufundiswa uTixo bonke. Lowo o zwile ngoBaba, wa funda, u yeza kimi.

Isai. 54. 13. Jer. 31. 34. Mika 4. 2.

46 A ngi tyo uBaba u bonwe umuntu, kupela o vela kuTixo, lo u m bonile uBaba.

isa. 1. 18. Mat. 11. 27. isa. 1. 18.

47 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O kolwa ini u nokupila okupakade.

isa. 3. 16, 18, 36.

48 Ngi isinkwa sokupila.

49 Oyiхло ba dhla imana ehlane, se ba fa.

50 Lesi si isinkwa esehla ezulwini, ukuba umuntu a si dhle, a nga fi.

51 Ngi isinkwa sokupila e sehla ezulwini: uma umuntu e dhla lesisinkwa, u ya kupila ku ze ku be pakade. Isinkwa engi za kusinika, si inyama yami, engi ya kuinika i be ukupila kwezwe.

isa. 3. 13. Heb. 10. 5, 10.

52 Ba pikisana abaJuda, be ti, Lo a nga si nika kanjani inyama yake, si i dhle na?

isa. 7. 43. & 3. 9.

53 uJesu wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Uma ni nga i dhli inyama yeNdodana yomuntu, ni puze igazi layo, a ni nakupila kimi.

Mat. 26. 26, 28.

54 Lowo o dhla inyama yami nopuza igazi lami, u nokupila okupakade; ngi ya kumvusa ngomhla wokupela.

isa. 4. 14.

55 Inyama yami i ngukudhla isibili, negazi lami li ngukupuza isibili.

56 Lowo o dhla inyama yami nopuza igazi lami, u hlala kimi, nami ngi hlala kuye.

1 John. 3. 24. & 4. 15, 16.

57 NjengoBaba opilayo u ngi tumile, nami ngi pila ngoBaba, ku njalo naye o ngi dhlayo, u ya kupila ngani.

58 Lesi si isinkwa esehla ezulwini; a ku njengoyihlo ba dhla imana, se ba fa; o si dhla lesisinkwa wo pila ku ze ku be pakade.

59 Wa tyo loku endhlhini yokusonta e fundisa eKapernaume.

60 Bezwa abanangi kubafundi bake, ba ti, Lelizwi li lukuni; ubani o nga li zwayo na? Mat. 11. 6.

61 Keba uJesu, e zazela ukuba abafundi bake ba konona nga loku, wa ti kubo, Ku ya ni cunula loku na?

62 Ni ya kutini, nxa ni bona iNodana yomuntu yenyukela lapa ya i kona mandulo na? Mark 16. 19. isa. 3. 13. Imis. 1. 9. Ef. 4. 8.

63 Umoya u ya pilisa; inyama a i sizi luto; amazwi engi wa kuluma kini, a ngumoya, a ngukupila. 2 Kor. 3. 6.

64 Keba ba kona abanye kinina abangakolwayo. uJesu wazi na sekuqaleni ukuba obani abangakolwayo, nokuba ubani o za kumnikela. isa. 2. 24, 25. & 13. 11.

65 Wa ti, Nga loku ngi tyilo kini ukuti, Ku ngeze kimi umuntu, uma e nga ku piwa uBaba.

66 Kona abanangi kubafundi bake ba buyela emba, a ba be be sa hamba naye.

67 uJesu wa ti kwaba ishumi nambili, Nani ni tanda ukumuka na?

68 uSimone Petro wa m pendula wa ti, Nkosi, si ya kuya kubani na? amazwi okupila okupakade a kuwe.

Imis. 5. 20.

69 Si ya kolwa, si yazi, wena u nguKristu, iNdodana ka Tixo opilayo.

Mat. 16. 16. Mark 8. 29. Luk. 9. 20. isa. 1. 49. & 11. 27.

70 uJesu wa ba pendula wa ti, A ngi ni ketanga nina aba ishumi nambili na? kepa omunye kini u nguSatani.

Luk. 6. 13. isa. 13. 27.

71 Wa tyo ngoJuda uIskariote ka Simone, ngokuba e be nguye o be za kumnikela, e ngomunye kwaba ishumi nambili.

### ISAHLUKO 7.

**E**MVA kwa loku uJesu wa hlala eGalile; e nga tandi ukuhlala eJudia, ngokuba abaJuda be funa ukumbulala. isa. 5. 16, 18.

2 Kwa ku sondele umhlangano wabaJuda wamadokodo. Levi 23, 34.

3 Abafo wabo ba ti kuye Muka lapa, u ye eJudia, ukuba abafundi bako ba bone imisebenzi yako o yenzayo. Mat. 12. 46. Mark 3. 31. Imis. 1. 14.

4 A ku ko muntu o lwenza uto esita, nxa e funa a be sobala. Uma wenza loku, u zibonakalise ezweni.

5 Abafo wabo ba be nga kolwa uye.

Mark 3. 21.

6 uJesu wa ti kubo, Isikati sami a si ka fiki, kodwa isikati senu si lungile njalo. isa. 2. 4. & 8. 20.

7 Izwe li nge ni zonde nina; kodwa mina li ya ngi zonda, ngokuba ngi qinisa ngalo, ngokuti, imisebenzi yalo mibi. isa. 3. 19. & 15. 19.

8 Kupukelani ku lomhlangano, a ngi sa kupukeli mina ku lomhlangano; a si ka peleli isikati sami.

9 Wa tyo loku kubo, wa hlala eGalile. 10 Keba se be kupukile abafa wabo, wandu kukupuka naye, wa ya emhlanganweni, ku nge sobala, ku nga ti ku sesita.

11 Ba se be m funa abaJuda emhlanganweni, ba ti, Upi yena? isa. 11. 56.

12 Kwa ba kona ukukonona okukulu ngaye ebantwini; abanye ba ti, U lungile; abanye ba ti, Qa, wedusa abantu. isa. 9. 16. & 10. 19. || Mat. 21. 46. Luk. 7. 16. isa. 6. 14.

13 Keba kwa ku nge ko muntu owa kuluma obala ngaye ngokwesaba abaJuda. isa. 9. 22. & 12. 42. & 19. 38.

14 Kwa ti ngapakati komhlangano, uJesu wa kupukela etempelini, wa fundisa.

15 abaJuda ba mangala, ba ti, Lo u yazi kanjani imibalo, loku e nga fundanga na? Mat. 13. 54. Mark 6. 2. Luk. 4. 22.

16 uJesu wa ba pendula wa ti, Ukufundisa kwami a siko okwami, ku ngokongitumileyo. isa. 8. 28. & 12. 49. & 14. 10, 24.

17 Uma umuntu e tanda ukwenza intando yake, wo kwazi ukufundisa, ukuba ku vela kuTixo ini, nokuba ngi zikulumela. isa. 8. 43.

18 Ozikulumelayo u funa ukudunyiswa kwake; kodwa o funa ukudunyiswa komtumileyo, u qinisile, a ku ko ukungalungi kuye. isa. 5. 41. & 8. 50.

19 uMosi ka ni nikanga ini umteto? kodwa a ku ko kini o geina umteto. Ni funelani ukungibulala na? Eks. 24. 3. isa. 1. 17. || Mat. 12. 14. Mark 3. 6.

isa. 5. 16. 18. & 10. 39. & 11. 53.

20 Abantu ba pendula ba ti, U nedemone wena; ubani o funa ukukubulala na? isa. 8. 48, 52. & 10. 20.

21 uJesu wa pendula wa ti kubo, Ngenze umsebenzi munye, ni mangala nonke.

22 uMosi wa ni nika ukusoka; (a ngi tyo kwa vela kuMosi, kwa vela kobaba;) ni soka umuntu ngeSabata. Gen. 17. 10. Levi 12. 3.

23 Uma umuntu wamkela ukusoka

ngesabata, ku nga pulwa umteto ka Mo-  
si; ni ngi tukutelela, ngokuba ngi pili-  
sile ununtu impela ngeSabata na?  
isa. 5. 8, 9, 16.

24 Ni ngahluli ngokubonakalayo, ko-  
dwa yahlulani ukwahlula okulungileyo.  
Dut. 1. 16, 17. Amazwi 24. 23. isa. 8. 15.  
Jak. 2. 1.

25 Abanye kwaba seJeruselema ba ti,  
Lo a siye aba funa ukumbulala na?

26 Bhekani, u kuluma obala, ba nga  
tyo luto kuye. Imbala amakosi a yazi  
ukuba lo u nguKristu isibili na?

27 Kepa lo si ya m azi lapa e vela ko-  
na; kodwa uKristu, nxa e fikile, ka yi  
kwaziwa muntu lapa e vela kona.

Mat. 13. 55. Mark 6. 3. Luk. 4. 22.

28 uJesu wa se e memeza e fundisa  
etempelini, e ti, Ni ya ngazi, ni yazi lapa  
ngi vela kona; a ngi zizelanga mina,  
kodwa o ngi tumileyo u qinisile; eni  
nga m aziyo nina. isa. 5. 43. & 8. 14, 42.  
isa. 5. 32. & 8. 26. Rome 3. 4.

29 Ngi ya m azi mina, loku ngi vela  
kuye; nga tunywa uye. Mat. 11. 27.  
isa. 10. 15.

30 Kona ba funa ukumbamba; kodwa  
ka ba nga ko owa m beka isandhla, be  
si nga ka fiki isikati sake. Mark 11. 18.

Luk. 19. 47. & 20. 19. isa. 8. 20, 37.

31 Kepa abaningsi ba kolwa uye, ba ti,  
uKristu, nxa e fikile, u ya kwenza izibona-  
kakaliso eziningi ku na lezi, a zenzileyo  
lo na? Mat. 12. 23. isa. 3. 2. & 8. 30.

32 abaFarisi bezwa abantu be konona  
loko ngaye; abaFarisi nabakonzi aba-  
kulu ba tuma amapolise, ukuba a m  
bambe.

33 Kona uJesu wa ti, Ku isikatyana  
ngi se nani, ngi suke ngi ye kongitu-  
mileyo. isa. 13. 33. & 16. 16.

34 Ni ya kungifuna, ni nga ngi fuma-  
ni; na lapo ngi ya kona, ni nge ze nina.  
Hos. 5. 6. isa. 8. 21. & 13. 33.

35 abaJuda ba kuluma, be ti, U za  
kuya ngapi, si nga m fumanani na? u za  
kuya kwabahlakazekileyo ezizweni,  
ukuba a fundise abezizwe na?

Isai. 11. 12. Jak. 1. 1. 1 Pet. 1. 1.

36 Li tini lelizwi a li tyoyo lokuti, Ni  
ya kungifuna, ni nga ngi fumani; na  
lapo ngi kona ni nge ze nina?

37 Ngosuku lokugcina, olukulu lo-  
mhlango, uJesu wema wa memeza, e  
ti, Uma e kona owomileyo, a keze kimi,  
a puze. Levi 23. 36. Isai. 55. 1.

isa. 6. 35. Isam. 22. 17.

38 O kolwa imi, njengokuty, kombam-

lo, imifula yamanzi okupila i ya kupu-  
ma esiswini sake. Dut. 18. 15.

Amazwi 18. 4. Isai. 12. 3. isa. 4. 14.

39 Wa tyo loko ngoMoya, aba za ku-  
mamkela aba kolwa uye: ngokuba  
uMoya o ingewele wa e nga ka piwa,  
loku uJesu e nga ka dunyiswa.

Isai. 44. 3. Joeli 2. 28. isa. 12. 16. & 16. 7.

Imis. 2. 17, 33, 38.

40 Abaningsi ebantwini, se be zwe lo-  
kukuty, ba ti, Lo u umprofeti impela.

isa. 1. 21. & 6. 14.

41 Abanye ba ti, Lo u uKristu. Aba-  
nye ba ti, uKristu u ya kuvela eGalile  
na? isa. 4. 42. & 6. 69. isa. 1. 46.

42 A u tyo ini umbalo ukuti, uKristu  
u vela enzalweni ka Davida, na seBet-  
lehema, enzini lapa wa e kona uDa-  
vida. Mika 5. 2. Mat. 2. 5. Luk. 2. 4.

1 Sam. 16. 1, 4.

43 Njalo kwa ku kona ukwahlukana  
ebantwini ngaye. isa. 9. 16. & 10. 19.

44 Abanye kubo ba tanda ukumbamba;  
kodwa kwa ku nge ko owa m beka isa-  
ndhla.

45 Kwa fika amapolise kubapristi aba-  
kulu nabaFarisi; ba ti kuwo, A ni m  
letanga ngani na?

46 Amapolise a pendula a ti, Napa-  
kade a ku zanga ku kulume muntu nje-  
nga lomuntu. Mat. 7. 29.

47 Ba se be wa pendula abaFarisi, ba  
ti, Nedusiwe nani na?

48 U kona ini na semakosini na kuba-  
Farisi o kolwa uye na? isa. 12. 42.

Imis. 6. 7. 1 Kor. 1. 20, 26, & 2. 8.

49 Kodwa lababantu aba nga wazi  
umteto ba tukiwe.

50 Wa ti kubo uNikodemu, lowo owe-  
za kuye ebusuku, e ngomunye kubo,  
isa. 3. 2.

51 Umteto wa kiti u lahla umuntu u  
nga ka niu zwa, u nga kwazi a kwe-  
nzayo na? Dut. 1. 17. & 17. 8. & 19. 15.

52 Ba pendula ba ti kuye, Nawe u  
ngowa seGalile na? Hlola u bone; a  
ku velanga umprofeti eGalile. Mat. 4. 15.  
isa. 1. 46.

53 Besuka ba goduka bonke.

## ISAHLUKO 8.

**K**ODWA uJesu wa ya entabeni ye-  
mihlwati.

2 Kwa ti ngovivi wa buya weza ete-  
mpelini, abantu bonke beza kuye; wa  
hlala wa ba fundisa.

3 Ababali nabaFarisi bezisa kuye umfa-  
zi e banjwe e sa pinga; ba m misa pakati.

4 Ba ti kuye, Mfundisi, lomfazi u banywe e pinga, e soqotyeni lwako.

5 uMosi wa si tyela ukuba abanjalo ba kandwe ngamatye; kepa wena u tini na? Levi 20. 10. Dut. 22. 22.

6 Ba ya? loku be m linga, ukuba ba m tolise icala. Kodwa uJesu wa kotama, wa loba emhlabatini ngomunwe.

7 Ba qinisa ba m buza, wa lulama, wa ti kubo, O nge nasono pakati kwenu, ka qale a ponse itye kuye.

Dut. 17. 7. Rome 2. 1.

8 Wa buya wa kotama, wa loba emhlabatini.

9 Se be zwile, ba lahlwa izinhliziyi zabo, ba puma ngabanye, ku qala kwabakulu kwa za kwa ba abancinyane; uJesu wa sala yedwa, umfazi e mi pakati. Rome 2. 22.

10 uJesu wa lulama, e nga boni umuntu, umfazi kupela; wa ti kuye, Mfazi, bapi lababacebi bako na? a ku ko o ku lahlayo na?

11 Wa ti, Ka ko, Nkosi. uJesu wa ti kuye, Nami a ngi ku lahli; hamba, u nga bi u sona. Luk. 9. 56. & 12. 14. isa. 3. 17. & 5. 14.

12 Kona uJesu wa buya wa kuluma kubo, e ti, Ngi ukukanya kwezwe; o ngi laudelayo ka yi kubamba ebumnyameni, kodwa wo ba nokukanya kokupila. isa. 1. 4, 9. & 3. 19.

13 abaFarisi ba ti kuye, U ya ziqiniselawena; ukuqinisa kwako a ku qinisi. isa. 5. 31.

14 uJesu wa pendula wa ti kubo, Noma ngi ziqiniselawena ukuqinisa kwami ku qinisi; ngokuba ngi yazi lapa nga vela kona na lapa ngi ya kona; kodwa nina a nazi lapa nga vela kona, na lapa ngi ya kona. isa. 7. 28. & 9. 29.

15 Nina nahlula ngokwenyama; mina a ngahluli umuntu. isa. 3. 17. & 12. 47.

16 Uma ngahlula ukwahlula kwami ku qinisi; ngokuba a ngi ngedwa; kepa imina noBaba o ngi tumileyo. isa. 16. 32.

17 Ku lotyiwe emtetwini wenu ukuti, Ukuqinisa kwabantu ababili ku qinisi. Dut. 19. 15.

18 Imina engi ziqiniselawo, nobaba o ngi tumileyo u ya qinisa ngami. isa. 5. 37.

19 Ba ti kuye, Uyihlo, upi na? uJesu wa pendula wa ti, A ni ngazi mina, a ni m azi nobaba: uma nazi mina, ni nga m azi noBaba. isa. 14. 7.

20 uJesu wa kuluma lamazwi endhlini

yemali, e fundisa etempelini; kwa ku nge ko umuntu, owa m bambayo, loku sa si nga ka fiki isikati sake. Mark 12. 41. isa. 7. 8, 30.

21 Kona uJesu wa buya wa ti kubo, Ngi yemuka, ni ya kungifuna, kodwa ni ya kufa ezonweni zenu: lapa ngi ya kona ni nge ze nina. isa. 7. 34. & 13. 33.

22 Ba ti abaJuda, U ya kuzibulala ini? loku e ti, Lapa ngi ya kona ni nge ze nina.

23 Wa ti kubo, Nina ni ngabapansi, mina ngi ngowa pezulu: nina ni ngaba lelizwe, mina a ngi ngowa lelizwe. isa. 3. 31. & 15. 19. & 17. 16. 1 John. 4. 5.

24 Njalo nga ti kini, Ni ya kufa ezonweni zenu: uma ni nga kolwa ukuti, ngi uye, ni ya kufa ezonweni zenu. Mark 16. 16.

25 Ba ti kuye, Wena u ngubani na? uJesu wa ti kubo, Uye njalo engi m tyoyo.

26 Ngi nokuningi kokushumayela nokwahlula ngani; kodwa o ngi tumileyo u qinisi; loku engi ku zwileyo kuye, ngi ku shumayela ezweni lonke. isa. 3. 32. & 7. 28. & 15. 15.

27 Ba be ngazi ukuba wa shumayela kubo ngoYise.

28 uJesu wa ti kubo, Nxa ni i pakamisile iNdodana yomuntu, kona ni ya kwazi ukuti imina, ngi ngenzi luto ngokwami; kodwa ngi shumayela loku nje ngokuba u ngi fundisile uBaba. isa. 3. 11, 14. & 5. 19, 30. & 12. 32.

Rome 1. 4.

29 O ngi tumileyo u nami; uBaba ka ngi shiyanga ngedwa; loku ngenza ngezikati zonke okutandeka kuye. isa. 4. 34. & 5. 30. & 6. 38. & 14. 10, 11.

30 E sa shumayela loku, abaningi ba kolwa uye. isa. 7. 31. & 10. 42. & 11. 45.

31 uJesu wa ti kubaJuda aba kolwa uye, Uma ni mi ezwini lami, ni ngabafundi bami isibili.

32 Ni ya kulazi iqiniso; iqiniso li ya kunikulula. Rome 6. 18, 22. & 8. 2. Jak. 1. 25. & 2. 12.

33 Ba m pendula ba ti; Si inzalo ka Abrahamana tina, a si zanga si konze kumuntu napakade. Wena u tyo kanjani ukuti, Ni za kukululwana? Levi 25. 42. Mat. 3. 9.

34 uJesu wa ba pendula wa ti, Ngi qinisi, ngi qinisi, ngi ti kini, Owenza isono u isigqili sesono. Rome 6. 16, 20. 2 Pet. 2. 19.

35 Isigqili a si hlali endhlini pakade, indodana i hlala pakade. Gal. 4. 30.

36 Njalo uma iNdodana i ni kulula, ni ya kuba abakululekileyo impela.

Rome 8. 2. Gal. 5. 1.

37 Ngi yazi ni inzalo ka Abrahamama; kodwa ni funa ukungibulala, ngokuba izwi lami li nge nandawo kini. isa. 7. 19.

38 Mina ngi shumayela loko engi ku bonile kuBaba; nina nenza loku eni ku bonile kuyihlo.

isa. 3. 32. & 5. 19, 30. & 14. 10, 24.

39 Ba pendula ba ti kuye, Ubaba wetu u nguAbrahama. uJesu wa ti kubo, Uma ni ngabantwana baka Abrahamama, nga ni yenza imisebenzi ka Abrahamama.

Mat. 3. 9. Rome 2. 28. & 9. 7. Gal. 3. 7, 29.

40 Kodwa kaloku ni funa ukungibulala, mina umuntu o ni tyela iqiniso, engi li zwe kuTixo. uAbrahama a kenzanga loko.

41 Ni yenza imisebenzi ka yihlo. Ba ti kuye, A si zelwe ngokupinga; si noBaba munye, uTixo. Isai. 63. 16. & 64. 8.

Mal. 1. 6.

42 uJesu wa ti kubo, Uma uTixo e nguyihlo wenu, nga ni tanda mina; ngokuba nga puma kuTixo, ngi fikile; a ngi zizelanga mina, wa ngi tuma yena.

1 John. 5. 1.

isa. 5. 43. & 7. 28, 29. & 16. 27. & 17. 8, 25.

43 A ni kwazi ngani ukushumayela kwami? ku ngokuba a ni nakuzwa izwi lami.

isa. 7. 17.

44 Nina ni ngaboyihlo uSatani ni tanda ukwenza ukufisa kuka yihlo. Lo wa e ngumbulali wabantu ekuqaleni, e ngemi eqinisweni, loku iqiniso li nge ko kuye. Nxa e kuluma amanga, u kuluma ngokwake, e ngo namauga, noyise wawo. Mat. 13. 38. 1 John. 3. 8. Jude 6.

45 Kodwa mina, loku ngi kuluma iqiniso, a ni kolwa imi.

46 U mupi kini o ngi lahla ngezono na? Kepa uma ngi kuluma iqiniso, a ni kolwa imi ngani na?

47 O ngoka Tixo u yezwa amazwi ka Tixo; nga loku a ni zwa nina, a ni sibo abaka Tixo. isa. 10. 26, 27. 1 John. 4. 6.

48 Ba se be pendula abaJuda, ba ti kuye, A si tyo kahle ini ngokuti, wena u ngumSamaria, u nedemone na?

isa. 7. 20. & 10. 20.

49 uJesu wa pendula wa ti, A ngi nademone; ngi dumisa uBaba; nina ni ya ngeisa.

50 A ngi zifuneli ukudunyiswa; u kona o funayo nowahlulayo.

isa. 5. 41. & 7. 18.

51 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti ki-

ni, Uma umuntu e gcina izwi lami ka sa yi kubona ukufa. isa. 5. 24. & 11. 26.

52 Kona abaJuda ba ti kuye, Kaloku si yazi u nedemone. uAbrahama wa fa, nabaprofeti ba fa; wena u ti, uma umuntu e gcina izwi lami, ka sa yi kuzwa ukufa.

Zek. 1. 5. Heb. 11. 13.

53 Wena umkulu ini ku nobaba uAbrahama owa fayoyi na? nabaprofeti se ba fa: u zenza ubani wena na?

54 uJesu wa pendula wa ti, Uma ngi zidumisa, ukuzidumisa kwami ku ize; uBaba o ngi dumisayo, eni ti ngaye, uTixo wenu.

isa. 5. 31.

isa. 5. 41 & 16. 14. & 17. 1. Imis. 3. 13.

55 Kepa a ni m azi; ngi ya m azi mina; uma ngi ti, a ngi m azi, ngi nga ba o qamba amanga njengani; kepa ngi ya m azi, ngi gcina izwi lake.

isa. 7. 28, 29.

56 uAbrahama uyihlo wa jabula ukubona usuku lwami; wa lu bona, wa tokoza.

Luk. 10. 24. Heb. 11. 13.

57 Kona abaJuda ba ti kuye, A u ka bi nayo iminyaka emashumi a isihlanu, u su ke wa m bona uAbrahama na?

58 uJesu wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, uAbrahama e nga ka bi ko, ngi kona. Eks. 3. 14. Isai. 43. 13.

isa. 17. 5, 24. Kol. 1. 17. Isam. 1. 8.

59 Ba se be tabata amatye, ukuba ba m kande, kepa uJesu wa sitela, wa puma etempelini, e dabula pakati kwabo wa dhlula njalo.

isa. 10. 31, 39. & 11. 8.

Luk. 4. 30.

## ISAHLUKO 9.

**K**WA ti e dhlula, wa bona umuntu o be impumpute iloku wa zalwa.

2 Abafundi bake ba m buza ba ti, Rabbi, kona ubani, ku na lomuntu, ku nabazali bake, a zalwe e impumpute na?

3 uJesu wa pendula wa ti, A konanga naye, nabazali bake; kodwa ukuba ku bonakaliswe ngaye imisebenzi ka Tixo.

isa. 11. 4.

4 Nga ngi sebenza imisebenzi yongitumileyo ku semini; ku yeza ubusuku, lapo ku nge be ku sa sebenza muntu.

isa. 4. 34. & 5. 19, 36. & 11. 9. & 12. 35. & 17. 4.

5 Nxa ngi kona ezweni, ngi ukukanya kwezwe.

isa. 1. 5, 9.

6 Se e tyilo loku wa fela emhlabatini, wenza udaka ngamate wa ninda udaka emehlweni empumpute.

Mark 7. 33. & 8. 23.

7 Wa ti kuye, Hamba u geze ecibini la seSiloma (ukuti ngokukunyushwa,

ku tunyiwe). Wemuka, wa geza, weza e bona. Neh. 3. 15. 2 Ama. 5. 14.

8 Abakelene naye, naba be m bonile pambili e impumpute, ba ti, A siye lo owa be e hlezi, e cela ukupiwa na?

9 Abanye ba ti, Uyena; abanye ba ti, U fana naye; yena wa ti, Ngi uye.

10 Ba ti kuye, Amehlo ako a vulwa kanjani na?

11 Wa pendula wa ti, Umuntu o tiwa uJesu, wenza udaka, wa ninda amehlo ami, wa ti kimi, Hamba u ye ecibini la seSiloma, u geze; nga ya, nga geza, nga bona.

12 Ba ti kuye, Upi yena na? Wa ti, A ngazi.

13 Ba m zisa kubaFarisi o kade e impumpute.

14 Kwa ku iSabata, lapo uJesu wenza udaka, wa vula amehlo ake.

15 abaFarisi ba buya ba m buza ukuba u bona kanjani. Wa ti kubo, Wa beka udaka emehlweni ami, nga geza, se ngi bona.

16 Abanye kubaFarisi ba ti, A siye oka Tixo lomuntu, loku e nga geina iSabata. Abanye ba ti, Umuntu o isoni a nga zenza kanjani izibonakaliso ezinje na? Kwa ba kona ukwahlukana pakati kwabo. isa. 3. 2. & 7. 12, 43. & 10. 19.

17 Ba buya ba ti kuyo impumpute, Wena u tini ngaye loku e vule amehlo ako na? Wa ti, U umprofeti. isa. 4. 19. & 6. 14.

18 Kepa abaJuda a ba kolwanga ngaye ukuti, wa be impumpute, u se bona, ba za ba biza abazali bake o se bhekile.

19 Ba ba buza, be ti, Lo u indodana yenu, eni ti, wa zalwa e impumpute na? u se bona kanjani manje na?

20 Abazali bake ba ba pendula ba ti, Si yazi, lo u indodana yetu, wa zalwa e impumpute.

21 Kodwa a sazi ukuba u se e bona kanjani: u se kulile, m buzeni, wo zipendulela yena.

22 Abazali bake ba tyo loku ngokuba besaba abaJuda: abaJuda ba be se be vumelene ukuba, uma e kona ununtu o vuma ukuti u nguKristu, a lahlwe. isa 7. 13. & 16. 2. Imis. 5. 13.

23 Njalo abazali bake ba ti, U se kulile, m buzeni.

24 Ba buya ba m biza ngokwesibili lomuntu owa be e impumpute, ba ti kuye, M bonge uTixo: si yazi, lomuntu u isonni. Josh. 7. 19. 1 Sam. 6. 5.

25 Wa pendula wa ti, A ngazi ukuba

u isoni; ngazi loku kokuti, be ngi impumpute, se ngi bona.

26 Ba buya ba ti kuye, Wenzani kuwe? wa vula kanjani amehlo ako na?

27 Wa ba pendula wa ti, Se ngi ni tye-lile; a ni zwanga; ni tandelani ukubuya ni zwe na? ni ya tanda ini uani ukuba abafundi bake na?

28 Ba m tuka, ba ti, Wena u ngumfundi wake, kepa tina si ngabafundi baka Mosi.

29 Si yazi, uTixo wa kuluma noMosi; kodwa lo a si m azi lapa e vela kona. isa. 8. 14.

30 Lomuntu wa pendula wa ti kubo, Loku ku isimangaliso; a ni mazi lapa e vela kona, noma wa vula amehlo ami. isa. 3. 10.

31 Si yazi, uTixo ka zi zwa izoni; kodwa uma ununtu e hlonipa uTixo, a yenze intando yake, u ya mu zwa lowo. Izihl. 34. 15. Amazwi 1. 28. & 15. 29. & 28. 9.

32 A ku zanga ku zwakale, iloku kwa dabukayo izwe, ku tiwa, amehlo omuntu o be e zelwe e impumpute a vulwa.

33 Uma lo e nge siye oka Tixo a nge-nze luto.

34 Ba pendula ba ti kuye, Wena wa zalwa ezonweni impela, u ya si fundisa tina na? Ba m lahla.

35 uJesu wezwa ukuti ba m lahlile; se e m fumene, wa ti kuye, U ya kolwa iNdodana ka Tixo na? Mat. 14. 33.

Mark 1. 1. isa. 10. 36. 1 John. 5. 13.

36 Wa pendula wa ti, U ubani, Nkosi, ngi ze ngi kolwe uye?

37 uJesu wa ti kuye, Se u m bonile, uyena o kuluma nawe. isa. 4. 26.

38 Wa ti, Ngi ya kolwa, Nkosi. Wa m dumisa.

39 Wa ti uJesu, Ngi ze ku lelizwe ku be ukwahlula, ukuba abangaboniyo ba bone, ababonayo ba be izimpumpute. Mat. 13. 13. isa. 3. 17. & 5. 22, 27. & 12. 47.

40 Bezwa loku aba kubaFarisi aba be naye, ba ti kuye, Nati si izimpumpute na? Rome 2. 19.

41 uJesu wa ti kubo, Uma ui izimpumpute, nga ni nge nasono; kodwa kaloku ni ti, Si ya bona; njalo ku mi isono senu. isa. 15. 22, 24.

## ISAIHLUKO 10.

**N**GI qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, N O nga ngeni ngesango ukuya esibayeni sezimvu, kodwa e kwela ngenye indawo, lowo u isela nompangi.



2 O ngena ngesango u ngumalusi we-izimvu.

3 Umlindi wesango u ya m vulela; izimvu zi ya li zwa izwi lake: u ya zi biza izimvu zake ngamagama, a zi pumise.

4 Nxa e zi kipa izimvu zake, u hamba pambi kwazo; izimvu zi m landele, loku zi lazi izwi lake.

5 Kepa a zi yi kumlandela ongaziwayo, zo m balekela; loku zi nga lazi izwi labangaziwayo.

6 uJesu wa ba tyela lomfanekiso; kepa a bezwanga ukuba ku ini loku, a ku tyo kubo.

7 uJesu wa buya wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Mina ngi isango lezimvu.

8 Bonke abeza ngapambili kwami ba amasela nabapangi; kodwa izimvu a zi bezwanga.

9 Mina ngi isango; uma umuntu e ngena ngami u ya kusindiswa, a ngene, a pume, a funaane idhlelo.

isa. 14. 6. Ef. 2. 18.

10 Isela li za ukweba, nokubulala, nokububisa, kupela: mina ngi ze ukuba zi be nokupila, zi be nako kakulu.

11 Ngi ngumalusi olungileyo. Uma-lusi olungileyo u ya bekela izimvu ukupila kwake.

Isai. 40. 11. Hez. 34. 12.

Heb. 13. 20. 1 Pet. 2. 25. & 5. 4.

12 Okokelwayo, e nge siye umalusi, izimvu zi nge sizo ezake, e bona impisi i za, u ya shiya izimvu, a baleke; impisi i ze i zi pange, i cite izimvu.

Zek. 11. 16, 17.

13 Okokelwayo u baleka, ngokuba e ngokokelwayo, ka zi kataleli izimvu.

14 Mina ngi ngumalusi olungileyo; ngi ya zazi ezami, ngaziwa ezami.

2 Tim. 2. 19.

15 NjengoBaba e ngazi, nami ngi ya m azi uBaba; ngi zi bekela izimvu, ukupila kwami.

Mat. 11. 27. isa. 15. 13.

16 Ngi nezinye izimvu, ezi nge za le-sisibaya: na lezo nga ngi zi leta, zi zwe, izwi lami, ku be mhlambi munye, nomalusi munye.

Isai. 56. 8. Hez. 37. 22.

Ef. 2. 14. 1 Pet. 2. 25.

17 Njalo uBaba u ya ngi tanda, ngokuba ngi beka ukupila kwami, ukuba ngi buye ngi ku tabate.

Isai. 53. 7, 8, 12.

Heb. 2. 9.

18 A ku ko muntu o ngamuka kona; ngi ku beka mina uqobo; ngi nama-ndhla okukubeka: ngi namandhla oku-

buya ngi ku tabate. Lomyalo ngi wamkeliswe uBaba.

isa. 2. 19. & 6. 38. & 15. 10.

Imis. 2. 24, 32.

19 Kwa buya kwa ba kona ukwahlukana pakati kwabaJuda nga lawama-zwi.

isa. 7. 43. & 9. 16.

20 Abaningi kubo ba ti, U nedemone, u ya gewaneka; ni m zwelani na?

isa. 7. 20. & 8. 48, 52.

21 Abanye ba ti, Lamazwi a siwo a o kwelwe idemone; imbala idemone li nga vula amehlo ezimpumpute na?

Eks. 4. 11. Izihl. 94. 9. & 146. 8.

isa. 9. 6, 7, 32, 33.

22 Kwa ku kona umhlangano wokuqalisa eJerusalema; kwa ku sebusika.

23 uJesu wa e hamba etempelini esangweni lika Solomona.

Imis. 3. 11. & 5. 12.

24 Kona abaJuda ba m haqa ba ti kuye, U ya kusilibazisa ku ze ku be nini na? Uma uKristu, si tyele ku be sobala.

25 uJesu wa ba pendula wa ti, Ngi ni tyelile, kodwa a ni kolwanga. Imisebenzi engi yenzayo ngegama lika Baba, iyona e qinisa ngami.

isa. 3. 2. & 5. 36.

26 Kodwa a ni kolwa; a ni sizo izimvu zami, njengokutyo kwami kini.

isa. 8. 47. 1 John. 4. 6.

27 Izimvu zami zi ya li zwa izwi lami, nami ngi ya zazi, nazo zi ya ngilandela.

28 Ngi zi nika ukupila okupakade; a zi sa yi kububa ku ze ku be pakade, a ku ko o nga zamuka esandhleni sami.

isa. 6. 37. & 17. 11, 12. & 18. 9.

29 uBaba o ngi nika zona umkulu ku nabo bonke; a ku ko o nga zamuka esandhleni sika Baba.

isa. 14. 28. & 17. 2, 6.

30 Tina noBaba si munye.

isa. 17. 11, 22.

31 Kona abaJuda ba buya ba tabata amatye, ukuba ba m kande.

isa. 8. 59.

32 uJesu wa ba pendula wa ti, Ngi ni bonisile imisebenzi eminingi emihle ka Baba; u mupi umsebenzi kuyona, eni ngi kanda ngawo na?

33 abaJuda ba m pendula ba ti, A si ku kandi ngomsebenzi omuhle; si ku kanda ngokutuka, na ngokuba wena umuntu u zenza uTixo.

isa. 5. 18.

34 uJesu wa ba pendula wa ti, A ku lotyiwe ini emteweni wenu ukuti, Nga ti, Ni ngotixo.

Izihl. 82. 6

35 Uma wa ti otixo labo eleza kubo izwi lika Tixo, umbalo u nge pulwe;

Rome 13. 1.

36 Ni ti kuye a m misayo uBaba, wa

m tuma ezweni, Wena u ya tuka, ngokuba ngi ti, Ngi iNdodana ka Tixo na?

Luk. 1. 35. isa. 3. 17. & 5. 17, 18, 36, 37.

& 6. 27. & 8. 42. & 9. 35, 37.

37 Uma ngi ngenzi imisebenzi ka Babu, a ni nga kolwa imi.

isa. 15. 24.

38 Kodwa uma ngi yenza yona, noma ni nga kolwa imina, kolwani imisebenzi, ukuba nazi ni kolwe ukuti, uBaba u kimina, nami ngi kuye.

isa. 5. 36. & 14. 10, 11.

39 Ba buya ba funa ukumbamba; kodwa wa puuyuka esandhlени sabo.

isa. 7. 30, 44. & 8. 59.

40 Wa buya wa ya pesheya kweJordan, endaweni lapo uJohane wa e bapatisa kona kuqala; wa hlala lapo.

isa. 1. 28.

41 Kwa fika abaningi kuye, ba ti, uJohane a kenzanga isibonakaliso nasinye; kodwa ku qinisile konke uJohane a ku tyoyo nga lomuntu.

isa. 3. 30.

42 Abaningi ba kolwa uye kona lapo.

isa. 8. 30. & 11. 45.

### ISAHLUKO 11.

**K**WA ku kona umuntu ogulayo, uLazaro wa seBetani, wa semzini ka Maria nodade wabo uMarta.

Luk. 10. 38, 39.

2 Wa e nguMaria owa i geoba iNkosi ngamafuta, wesuka izinyawo zake ngezimwele zake, omne wabo uLazaro wa e gula.

Mat. 26. 7. Mark 14. 3. isa. 12. 3.

3 Odade wabo ba tuma kuye, be ti, Nkosi, bheka, lo o m tandayo u ya gula.

4 uJesu se e zwile wa ti, Lokukugula a siko okokufa, ku ngokudunyiswa ku ka Tixo, ukuba iNdodana ika Tixo i dunyiswe ngako.

isa. 9. 3.

5 uJesu wa tanda uMarta nodade wabo noLazaro.

6 Se e zwile ku tiwa u ya gula, wa hlala izinsuku ezimbili ku leyondawo a be kuyo.

isa. 10. 40.

7 Emva kwa loko wa ti kubafundi bake, A si buye si ye eJudia.

8 Abafundi ba ti kuye, Rabi, abaJuda ba sandu kufuna ukukukanda ngamatye, u sa ya kona futi na?

isa. 10. 31.

9 uJesu wa pendula wa ti, A ku ko amahora a ishumi nambili emini na? Uma umuntu e hamba emini ka kubeki, ngokuba e bona ukukanya kwa lomhlaba.

isa. 9. 4.

10 Kodwa uma e hamba ebusuku, u ya kubeka, ngokuba ku nge ko ukukanya kuye.

isa. 12. 35.

11 Wa tyo loko; emva kwa loko wa ti kubo, uLazaro umhlobo wetu u lele; kepa ngi ya ukuba ngi m vuse.

Dan. 12. 2. Mat. 9. 24.

12 Abafundi bake ba ti, Nkosi, uma u lele, u ya kusinda.

13 uJesu wa e kuluma ngokufa kwa ke; kodwa bona ba ti, wa kuluma ngokulala ubutongo.

14 Kona uJesu wa ti kubo e pumisela, uLazaro u file.

15 Ng i ya jabula ngani ngokuba be ngi nge ko, ni ze ni kolwe; kodwa a si hambe si ye kuye.

16 uTomas i o tiwa uDidumu, wa ti kubafundi, A si hanibe nati, si ze si fe kanye naye.

17 Wa fika uJesu, wa m fumana e se e mbelwe etuneni izinsuku ezine.

18 iBetani li seduze neJerusalema, ku nga ba amastadiu a ishumi nesihlanu.

19 Abaningi kubaJuda beza kuMarta noMaria, ukuba ba ba duduze ngomne wabo.

20 uMarta se e zwile ukuti, uJesu u yeza, wa ya wa m hlangebeza: kodwa uMaria wa hlala endhlени.

21 uMarta wa ti kuJesu, Nkosi, uma u bu kona lapa, umne wetu nga e nga fanga.

22 Kepa ngi yazi na manje, uTixo wo ku nika loku, o ku cela kuTixo.

isa. 9. 31.

23 uJesu wa ti kuye, Umne wenu wo vuka.

24 uMarta wa ti kuye, Ng i yazi u ya kuvuka ekuvukeni ngomhla wokupela.

Luk. 14. 14. isa. 5. 29.

25 uJesu wa ti kuye, Mina ng i ngukuvuka nokupila: o kolwa imi, noma e file, wo pila.

isa. 1. 4. & 5. 21. & 6. 35, 39, 40, 44. & 14. 6.

Kol. 3. 4. 1 John. 1. 1, 2. & 5. 11.

isa. 3. 36. 1 John. 5. 10.

26 Lowo o pila, e kolwa, ka sa yi kufa; u ya kolwa iloku na?

27 Wa ti kuye, Yebo, Nkosi; ng i ya kolwa ukuti, uKristu, iNdodana ka Tixo, o be za kufika ezweni.

Mat. 16. 16.

isa. 4. 42. & 6. 14, 69.

28 Wa tyo loku, wemuka, wa biza uMaria udade wabo ngasesita, wa ti, Umfundisi u kona, u ya ku biza.

29 Se e zwile yena, wesuka masinyane, wa ya kuye.

30 uJesu wa e nga ka fiki emzini, e sendaweni lapa uMarta wa m hlangebeza kona.

31 abaJuda aba be naye endhlени, be

m duduza, ba bona uMaria e suka masinyane, wa puma, ba m landela, be ti, u ya etuneni, a yo kala kona.

32 uMaria se e fikile lapa wa e kona uJesu, wa m bona, wa wa nga sezinyaweni zake, wa ti kuye, Nkosi, uma u bu kona, umne wetu nga e nga fanga.

33 uJesu se e m bonile e kala, nabaJuda aba fika naye be kala, wa bubula emoyeni, wa katezeka.

34 Wa ti, Ni m bekepi na? Ba ti kuye, Nkosi, yiza, u bone.

35 uJesu wa kala izinyembezi.  
Luk. 19. 41.

36 Ba ti abajuda, Bhekani, ukumtandanda kwake okungaka!

37 Abanye kubo ba ti, Lo owa vula amehlo empumpute, wa be e ngenze ini a nga fi lo na?  
isa. 9. 6.

38 uJesu wa buya wa bubula pakati kwake, weza etuneni. La li ngumhume; kwa ku kona itye pezu kwawo.

39 Wa ti uJesu, Susani itye. uMarta, udade wabo wofileyo, wa ti kuye, Nkosi, se e nuka: se ku olwesine.

40 uJesu wa ti kuye, A ngi tyongo ini ukuti, Uma u kolwa, u ya kubona ubusosi buka Tixo.

41 Kona ba susa itye lapa ku lele kona ofileyo. uJesu wa bheka pezulu, wa ti, Baba, ngi ya ku bonga, ngokuba u ngi zwile.

42 Be ngazi u ngi zwa ngesikati sonke; kodwa nga tyo ngabantu nabemiyo kona, ba ze ba kolwe ukuti u ngi tumile.  
isa. 12. 30.

43 Se e tyilo loko, wa memeza ngezwi elikulu, wa ti, Lazaro, puma.

44 Kwa puma ofileyo, e botyiwe ezinyaweni na sezandhleri ngezindwangu; ubuso bake bu mboziwe ngeduku. uJesu wa ti kubo, M tukululeni, ni m yeke, a hambe.  
isa. 20. 7.

45 Kona abaningi kubaJuda aba be fika kuMaria, be bona a be kwenzile uJesu, ba kolwa uye. isa. 2. 23. & 10. 42. & 12. 11, 18.

46 Kodwa abanye kubo besuka ba ya kubaFarisi, ba ba tyela loko a be kwenzile uJesu.

47 Abapristi abakulu nabaFarisi ba buta umpakati, ba ti, Si ya kwenzelnjani na? lomuntu u yenza izibonakaliso eziningi. Izihl. 2. 2. Mat. 26. 3.

Mark 14. 1. Luk. 22. 2. isa. 12. 19.  
Imis. 4. 16.

48 Uma si m yeka njalo, ba ya kukolwa uye bonke; amaRoma a ya kufika, a samuke indawo nesizwe.

49 Kepa omunye kubo, uKaiafasi, e ngumpristi omkulu nga lowomnyaka, wa ti kubo, A nazi luto nina. Luk. 3. 2.  
isa. 18. 14. Inis. 4. 6.

50 A ni qondi ukuti, ku lungele tina, ukuba umuntu e munye a fele abantu, ku nga ubi isizwe sonke. isa. 18. 14.

51 Ka tyongo loko ngokwake, kodwa e be ngumpristi omkulu wa lomnyaka, wa profeta ukuti, uJesu wa be e ya kufela isizwe.

52 A nga feli isizwe sodwa, kepa ukuba a bute ndawonye abantwana baka Tixo abahlakazekileyo. Isai. 49. 6.  
1 John. 2. 2. isa. 10. 16. Ef. 2. 14-17.

53 Kwa ba seloku besuka be ceba ukuba ba m bulale.

54 Kepa uJesu ka be e sa hamba obala kubaJuda; wemuka lapo, wa ya ezweni eli seduze nehlane; emzini o tiwa iFramime; wa hlala kona nabafundi bake.  
isa. 4. 1, 3. & 7. 1.

55 Kwa ku seduze ipasika labaJuda; ba kupuka abaningi ezweni ba ya eJerusalem, li nga ka fiki ipasika, ukuba ba zihlanze. isa. 2. 13. & 5. 1. & 6. 4.

56 Kona ba m funa uJesu, ba kuluma be mi etempelini, ba ti, Ni tini, ka yi kuza emhlanganweni na? isa. 7. 11.

57 Abapristi abakulu nabaFarisi ba be yalile, ukuba, uma umuntu e m azi lapa e kona, a ba kombise, ba ze ba m bambe.

## ISAHLUKO 12.

**K**ONAKE izinsuku ezi isitupa pambi kwepasika uJesu wa fika eBetani, lapa e kona uLazaro o be file, a m vusa kwabafileyo. isa. 11. 1, 43.

2 Ba m enzela ukudhla lapo, uMarta wa konza; kepa uLazaro wa e ngomunye kwaba be hlezi naye ekudhleri.  
Mat. 26. 6. Mark 14. 3.

3 uMaria wa tabata ipondwe lamafuta enardi lodwa, inkulu intengo yawo, wa geoba izinyawo zika Jesu, wesula izinyawo zake negezinwele zake; indhlu ya gewala ipunga lamafuta. Luk. 10. 38, 39.  
isa. 11. 2.

4 Omunye kubafundi bake, uJuda uIskariote ka Simone, o be za kumnikela, wa ti,

5 Ku ye ngani ku nga tengwa ngalamafuta odenario abamakulu amatatu, ku pive abampofu.

6 Ka tyongo loku ngokuba e nakekele abampofu; wa tyo ngokuba e isela, wa e nesikwama, wa pata okufakiweyo.  
isa. 13. 29.

7 uJesu wa ti, M yeke; u ku londolezele umhla wokumbelwa kwami.

8 Ni nabampofu ngesikati sonke be kona kinina; kodwa a ni nami ngesikati kinke. Mat. 26. 11. Mark. 14. 7.

9 Abantu abaningi ba kubaJuda bazi ukuba u kona, kepa abezanga ngoJesu yedwa, beza ukuba ba bone noLazaro, a m vusayo kwabafileyo. isa. 11. 43, 44.

10 Kepa abapristi ba ceba ukuba ba m bulale noLazaro. Luk. 16. 31.

11 Ngokuba ngaye abaningi kubaJuda bemuka, kolwa uJesu. isa. 11. 45.

12 Ngangomso abantu abaningi aba fikileyo emhlanganweni, se be zwile ku tiwa uJesu u yeza eJerusalema, Mat. 21. 4-9. Mark. 11. 7-10. Luk. 13. 35-38.

13 Ba tabata amahlamvu esundu, ba puma ukuya kumhlangabeza, ba memeza, be ti, Hozana! u busisiwe ozayo ngegama leNkosi, iNkosi ya kwa Israeli. Izihl. 118. 25, 26.

14 uJesu e funana ibengolo wa kwela kuyo, njengokulotyiweyo ukuti,

15 U ngesabi, ndodakazi ka Zioni! bheka, nansi iNkosi yako i za, i kwele etoleni lombongo. Zek. 9. 9.

16 Abafundi bake ba be ngezwisisi loku kuqala; kodwa lapo se e dunyiswe uJesu, kona ba se be kumbula ukuti, ku lotyiwelwe loku ngaye, nokuti ba kwenza loku kuye. Luk. 18. 34. isa. 7. 39. & 14. 26.

17 Abantu aba be naye ba qinisa ukuti, wa biza uLazaro a pume etuneni, wa m vusa kwabafileyo.

18 Ngaloku abantu ba m hlangebeza; ba be zwile ku tiwa lesisibonakaliso senziwe uye.

19 abaFarisi ba kuluma ba ti, Ni ya bona ukuba a ni sizwa ngaluto; bhekani, izwe lonke li m landele.

isa. 11. 47, 48.

20 Kwa ku kona abezizwe abatlele pakati kwaba be kupukile ukuya kudumisa emhlanganweni. 1 Ama. 8. 41, 42. Imis. 8. 27. & 17. 4.

21 Labo beza kuFilipu wa seBetsaida la seGalile, ba m uxusa, be ti, Nkosi, si ya tanda ukubona uJesu. isa. 1. 44.

22 uFilipu weza wa tyela uAndrea; njalo uAndrea noFilipu ba m tyela uJesu.

23 uJesu wa pendula wa ti kubo, Se si fikile isikati lapo i ya kudunyiswa iNdodana yomuntu. isa. 13. 32. & 17. 1.

24 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Uma inhlamvu yamabele i wa emhlabatini, i nga fi, i hlala yodwa;

kepa uma i fa, yo tela ukudhla okuningi. 1 Kor. 15. 36.

25 O tanda ukupila kwake wo ku lahlekelwa; kodwa o zonda ukupila kwake ku lelizwe wo ku londoleza ku be ukupila okupakade. Mat. 10. 39.

Luk. 9. 24.

26 Uma umuntu e ngi konza, a ka ngi landele; na lapa ngi kona, so ba kona nesikonzi sami; uma umuntu e ngi konza, uBaba u ya kundumisa.

isa. 14. 3. & 17. 24. 1 Tes. 4. 17.

27 Kaloku umpfumlo wami u dabukile; ngi ya kutini na? ngi nga ti, Baba, ngi sindise ku lesisikati na? kodwa ngaloku ngi ze ku lesisikati.

Mat. 26. 38, 39. Luk. 12. 50. & 22. 53.

isa. 13. 21. & 18. 37.

28 Baba, dumisa igama lako. Kwandu kufika izwi li vela ezulwini, li ti, Ngi li dumisile, ngo buya ngi li dumise.

Mat. 3. 17.

29 Kona abantu abemiyo bezwa, ba ti, li ya duma. Abanye ba ti, ingelosi i kulume naye.

30 uJesu wa pendula wa ti, Leelizwi a li zanga ngenxa yami, li ze ngenxa yenu. isa. 11. 42.

31 Kaloku ku ukwahlulwa kwa lelizwe, kaloku umbusi wa lelizwe u ya kukitywa. Luk. 10. 18. isa. 14. 30. & 16. 11. 2 Kor. 4. 4. Ef. 2. 2. & 6. 12.

32 Kepa mina, uma ngi pakanyiswa emhlabeni, ngi ya kubadonsa bonke, beze kimi. isa. 3. 14. & 8. 28. Heb. 2. 9.

33 Wa ku tyo loku, e bonisa lokokufa a be ya kufa ngako. isa. 18. 32.

34 Abantu ba m pendula ba ti, Si zwile ku tiwa emtetweni, uKristu u ya kuhlala pakade: u tyo kanjani ukuti, iNdodana yomuntu nga i pakanyiswa na? iNdodana yomuntu i ngubani na?

Izihl. 89. 36, 37. & 110. 4. Isai. 9. 7. Hez. 37. 25.

35 uJesu wa ti kubo, Se ku isikatyana ukukanya ku kona kini. Hambani ni se nokukanya, funa ni banjwe ubumnyama; o hanba ebumnyameni a kazi lapa e ya kona. isa. 1. 9. & 8. 12. & 9. 5. & 11. 10. Jer. 13. 16. Ef. 5. 8. 1 John. 2. 11.

36 Nxa ni se nokukanya kolwani ukukanya, ni be abantwana bokukanya. uJesu wa tyo loku, wemuka, wa catya kubo. Luk. 16. 8. isa. 8. 59. & 11. 51. Ef. 5. 8.

37 Noma e be zenzile izibonakaliso ezingaka ebusweni babo, a ba kolwanga uye;

38 Ukuba li gewaliseke izwi lika Isaya umprofeti, a li tyoyo, lokuti, Nkosi,

ubani o kolwe inshumayelo yetu? ingalo yeNkosi i bonakaliswe kubani na?

Isai. 53. 1. Rome 10. 16.

39 Nga loko ba be nge kolwe, loku uIsaya wa tyo futi ukuti,

40 U puputekisile amehlo abo, wenza inhliziyo yabo i be lukuni, ba nga boni ngamehlo, ba qonde ngenhliziyo, ba penduke, ngi ba pilise. Isai. 6. 9, 10.

Mat. 13. 14.

41 Wa tyo loko uIsaya, lapo e bona ubukosi bake, wa shumayela ngaye.

Isai. 6. 1.

42 Kepa ba kolwa uye abaningi ezikulwini: kodwa a ba m vumelanga ngenxa yabaFarisi, funa ba hlhlwe.

isa. 7. 13. & 9. 22.

43 Ba tanda ukudunyiswa abantu kunokudunyiswa uTixo.

isa. 5. 44.

44 uJesu wa memeza wa ti, O kolwa imi, ka kolwa imi, u kolwa uye o ngi tumileyo.

Mark 9. 37. 1 Pet. 1. 21.

45 O ngi bonayo u bona o ngi tumileyo.

isa. 14. 9.

46 Ngi ze ezweni ngi ukukanya, ukuba lowo o kolwa imi a nga hlali ebunyamani.

isa. 3. 19. & 8. 12. & 9. 5, 39.

47 Uma umuntu e zwa amazwi ami, e nga kolwa, a ngi m ahluli mina; a ngi zanga ukwahlula izwe, ngi ze ukusindisa izwe.

isa. 5. 45. & 8. 15, 26. & 3. 17.

48 O ngeisayo, e ngamkelo amazwi ami, u nomahlulayo; izwi engi li tyo, ilona eli za kumahlula ngomhla wokupela.

Luk. 10. 16. Dut. 18. 19. Mark 16. 16.

49 A ngi zikulumeli mina: kodwa uBaba o ngi tumileyo, yena wa ngi nika umyalo wa loko engi za ku kutyo, nengi za kukuluma kona.

isa. 8. 38. & 14. 10.

Dut. 18. 18.

50 Ngi yazi umyalo wake u ukupila okupakade: njalo loku engi ku shumayelayo, ngi ku shumayela njengokutyo kuka Baba kimi.

### ISAHLUKO 13.

**K**U nga ka fiki umhlangano wepasika, uJesu e sazi isikati sake se si fikile lapo e za kumuka ku lelizwe, a ye kuYise, e ba tandile abake ba sezweni, wa ba tanda kwa za kwa ba sekupeleni.

Mat. 26. 2. isa. 12. 23. & 17. 1, 11.

2 Se ku lungisiwe ukudhla, uSatani se e ngenile enhliziyweni ka Juda uIskarioti indodana ka Simone, ukuba a m nikele,

Luk. 22. 3.

3 uJesu e kwazi ukuba uYise wa be e

nikile izinto zonke ezandhleni zake, nokuba wa vela kuTixo, u ya kuTixo,

Mat. 28. 18. isa. 3. 35. Imis. 2. 36. Heb. 2. 8. isa. 8. 42. & 16. 28.

4 Wesuka ekudhleni, wa beka izingubo zake, wa tabata indwangu, wa zibopa.

Luk. 22. 27. Fil. 2. 7.

5 Wandu kutela amanzi esityeni, wa qala ukuhlanza izinyawo zabafundi, wa zesula ngendwangu a be zibopa ngayo.

6 Wa filka kuSimone Petro; kepa yena wa ti kuye, Nkosi, u ya hlanza izinyawo zami na?

7 uJesu wa pendula wa ti kuye, Loku engi kwenzayo a u kwazi kaloku; u ya kukwazi emva kwa loku.

8 uPetro wa ti kuye, A u so ze wa hlanza izinyawo zami. uJesu wa m pendula wa ti, Uma ngi nga ku hlanzi, a u nakuhlanganyela nami.

isa. 3. 5.

1 Kor. 6. 11.

9 uSimone Petro wa ti kuye, Nkosi, ku nga bi izinyawo zodwa, ku be nezandhla nekanda.

10 uJesu wa ti kuye, Ogeziweyo ka dingi luto, kupela zi gezwe izinyawo, kepa u hlambululekile u pelele. Nina ni hlambululekile, kodwa a si nina nonke.

isa. 15. 3.

11 Wa m azi o be za kumuikela: nga loku wa ti, A ni hlambululekile nonke.

isa. 6. 64.

12 Se e hlanzile izinyawo zabo, wa tabata izingubo zake, wa buya wa hlala, wa ti kubo, Ni ya kwazi engi kwenzileyo kini na?

13 Ni ngi biza ni ti, uMfundisi, iNkosi: ni tyo kahle, ngokuba ngi njalo.

Mat. 23. 8, 10. Luk. 6. 46.

1 Kor. 8. 6. & 12. 3. Fil. 2. 11.

14. Uma mina, iNkosi noMfundisi, ngi hlanze izinyawo zenu, nani nga ni hlanzana izinyawo.

Luk. 22. 27.

15 Ngi ni nikile isiboniso, ukuba neze nani njengami ngenzile kini.

Mat. 11. 29. Fil. 2. 5.

16 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Inecku a inkulu ku nenkosi yayo; notunyiweyo ka mkulu ku nomtunileyo.

Mat. 10. 24. Luk. 6. 40. isa. 15. 20.

17 Uma nazi lezizinto, ni ya busiswa uma ni zenza.

Jak. 1. 25.

18 A ngi kulumi ngani nonke; ngi ya bazi engi ba ketileyo; kepa ukuba ku gwaliseke umbalo wokuti, O dhla ukudhla nami, u ngi pakamisele isitende sake.

Izihl. 41. 9. Mat. 26. 23.

19 Ngi ni tyela ku nga ka fiki, ukuba, nxa ku fikile, ni kolwe ukuti, ngi uye.

isa. 14. 29. & 16. 4.

20 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Owamkela lowo engi m tumayo, wamkela mina; o ngamkelayo, wamkela o ngi tumileyo. Mat. 10. 40. & 25. 40.

Luk. 10. 16.

21 uJesu se e tyilo loku wa dabuka emoyeni, wa qinisa wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Omunye kini wo ngi nikela. Mat. 26. 21. Mark 14. 18.

Luk. 22. 21. isa. 12. 27. Imis. 1. 17.

1 John. 2. 19.

22 Abafundi ba bhekana, be ngabaza ukuba u tyo ubani.

23 Kepa kwa ku kona omunye kuba-fundi bake, o lele esifubeni sika Jesu, a m tandayo uJesu.

isa. 19. 26. & 20. 2. & 21. 7, 20, 24.

24 uSimone Petro wa m qweba yena, a buze, ukuba ubani a kuluma ngaye.

25 Yena, o neike esifubeni sika Jesu, wa ti kuye, Nkosi, ubani na?

26 uJesu wa pendula wa ti, Uye lo engi ya kumnika iqata, se ngi li cwilile. Wa li cwilisa iqata, wa li nika uJuda uSkarioti, indodana kaSimone.

27 Emva kweqata uSatani wa ngena ku lowo. Kona uJesu wa ti kuye, Yenza masinyane loku o kwenzayo.

Luk. 22. 3. isa. 6. 70.

28 Kwa ku ngaziwa umuntu kwaba be hlezi ekudhleni, ukuba wa tyoloui loku kuye.

29 Abanye ba zindhla ba ti, loku uJuda e pete isikwama, uJesu wa ti kuye, Tenga izinto esi zi dingayo emhlanganweni, nokuba a nike abampofu into.

isa. 12. 6.

30 Se e tabatile iqata, wa puma masinyane. Kwa ku sebusuku.

31 Njalo se e pumile, uJesu wa ti, Kaloku iNdodana yomuntu i duniywe, noTixo u duniywe ngayo.

ia. 12. 23. & 14. 13. 1 Pet. 4. 11.

32 Uma uTixo e duniywe ngayo, uTixo u ya kuidumisa ngokwayo, wo i dumisa masinyane. isa. 17. 1-6.

33 Bantwanyana, se ku isikatyana ngi nani. Ni ya kungifuna; kepa nje ngokutyo kwami kubaJuda, ukuti, Lapa ngi ya kona, ni nge ze, se ngi tyo na kinina.

isa. 7. 34. & 8. 21.

34 Ngi ya ni nika unyalo omutya

wokuba ni tandane; ukuba ni tandane nani, njengaloku ngi ni tandile.

Levi 19. 18. isa. 15. 12, 17. Ef. 5. 2.

1 Tes. 4. 9. Jak. 2. 8. 1 Pet. 1. 22.

1 John. 2. 7, 8. & 3. 11, 23. & 4. 21.

35 Ngaloku bonke ba ya kunazi, ni ngabafundi bami, uma ni tandana.

1 John. 2. 5. & 4. 20.

36 uSimone Petro wa ti kuye, Nkosi, u ya ngapi na? uJesu wa m pendula wa ti, Lapa ngi ya kona, u nge ngi landele kaloku; kodwa ngasemva u ya kungilandela. isa. 21. 18. 2 Pet. 1. 14.

37 uPetro wa ti kuye, Nkosi, ngi nge ku landele kaloku ngani na? ngi ya kubekela wena ukupila kwami.

Mat. 26. 33-35. Mark 14. 29-31.

Luk. 22. 33, 34.

38 uJesu wa m pendula wa ti, U ya kungibekela ukupila kwako na? Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Iqude a li yi kukala, u nga ka ngi piki katatu.

ISAHLUKO 14.

**I**NHLIZIYO yenu ma i nga katazeki: kolwani uTixo, ni kolwe imi.

isa. 16. 22, 23.

2 Ekaya lika Baba ku kona izindhlu eziningi: uma ku nge njalo, nga be nga ni tyela. Ngi ya ukunilungisela indawo. isa. 13. 33, 36.

3 Uma ngi ya, ngi ni lungisele indawo, ngo buya ngi ze ngi namukele, ni be nami, ukuba lapa ngi kona, ni be kona nani. Imis. 1. 11. isa. 12. 26. & 17. 24.

1 Tes. 4. 17.

4 Na lapa ngi ya kona, ni ya kwazi, nendhlela ni ya yazi.

5 uTomas wa ti kuye, Nkosi, a sazi lapa u ya kona, si nga yazi indhlela kanjani na?

6 uJesu wa ti kuye, Mina ngi indhlela, neqiniso, nokupila, akuko umuntu o za kuBaba, uma e ngezi ngami.

Heb. 9. 8. isa. 1. 4, 17. & 8. 32. & 10. 3. & 11. 25.

7 Uma be ni ngazi, nga ni m azi noBaba; kepa kaloku se ni m azi, ni m bonile. isa. 8. 19.

8 uFilipu wa ti kuye, Nkosi, si bonise uYihlo, ku sanele.

9 uJesu wa ti kuye, Be ngi nani isikati esingaka, a u ka ngazi, Filipu, na? o ngi bonile, u bonile noBaba; u tyo ngani ukuti, Si bonise uYihlo, na?

isa. 12. 45. Kol. 1. 15. Heb. 1. 3.

10 A u kolwa ukuba ngi kuBaba, noBaba u kimi na? Lamazwi engi wa kuluma kini, a ngi zikulumeli mina;

kepa uBaba o hlala kimi, uyena owenza imisebenzi. isa. 10. 33. & 17. 21, 23.

isa. 5. 19. & 7. 16. & 8. 28. & 12. 49.

11 Kolwani imi ukuti, ngi kuBaba, noBaba u kimi: uma ku nge njalo, kolwani imi nga lemisebenzi.

isa. 5. 36. & 10. 38.

12 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O kolwa imi, imisebenzi engi yenzayo wo yenza; nemikulu ku na le u ya kuyenza, ngokuba ngi ya kuBaba.

Mat. 21. 21. Mark. 16. 17. Luk. 10. 17.

13 Loko eni ku cela ngegama lami ngo kwenza, ukuba uYise a dunyiswe ngeNdodana.

Mat. 7. 7.

isa. 15. 7, 16. & 16. 23, 24. Jak. 1. 5.

14 Uma ni cela uto ngegama lami, ngo lwenza.

15 Uma ni ngi tanda, gcinani imiyalo yami.

isa. 15. 10, 14. 1 John. 5. 3.

16 Ngi ya kucela kuBaba, a ni pe omunye uMtokozisi wokuba a hlale nani ku ze ku be pakade; isa. 15. 26. & 16. 7.

Rome. 8. 15, 26.

17 Ngi tyo uMoya weqiniso, eli nge m amkele izwe ngokuba li nga m boni, li nga m azi; kodwa nina ni ya m azi; ngokuba e hlala nani, wo ba pakati kwenu.

isa. 15. 26. & 16. 13. 1 John. 4. 6.

1 Kor. 2. 14. 1 John. 2. 27.

18 A ngi yi ku ni shiya ni zinkedama; ngo buya ngi ze kini.

Mat. 28. 20.

19 Ku se isikatyana, izwe li nga bi li sa ngi bona; kodwa ni ya ngi bona nina; loku ngi pila, ni ya kupila nani.

isa. 16. 16. 1 Kor. 15. 20.

20 Nga lolosuku ni ya kwazi ukuba ngi kuBaba, nani ni kimi, nami ngi kiui.

isa. 10. 33. & 17. 21, 23, 26.

21 O nemiyalo yami, a i gcine, uyena o ngi tandayo; o ngi tandayo u ya kumtandwa uBaba, nami ngi ya kumtanda, ngi zibonakalise kuye.

1 John. 2. 5. & 5. 3.

22 uJuda (e-nge siye uIskarioti) wa ti kuye, Nkosi, ku ngani, u za kuzibonakalisa kitina, u nga zibonakalisi na senzeni, na?

Luk. 6. 16.

23 uJesu wa pendula, wa ti kuye, Uma umuntu e ngi tanda, u ya kugcina izwi lami; uBaba u ya kumtanda, si ze kuye, si hlalé naye.

1 John. 2. 24. Isam. 3. 20.

24 O nga ngi tandiyo, ka gcini amazwi ami; nezwi eni li zwayo, a silo elami, elika Baba o ngi tumileyo.

isa. 7. 16. & 8. 28. & 12. 49.

25 Ngi shumaye leku kini, ngi sa hlezi nani.

26 Kepa uMtokozisi, uMoya o ingewe-

le, a ya kumtuma uBaba ngegama lami, uyena o ya kunifundisa konke, a ni kumbuze konke, engi ku tyilo kini.

Luk. 24. 49. ¶ isa. 15. 26. & 16. 7.

isa. 2. 22. & 12. 16. & 16. 13.

1 John. 2. 20, 27.

27 Ngi shiya ukutula kini, ukutula kwami ngi ni nika kona; a ngi ni nika njengokupa kwezwe. Izihliziyo yenu ma i nga katazeki, yesabe.

Fil. 4. 7.

28 Se ni ngi zwile ngi tyo kini ukuti, Ngi yemuka, ngo buya ngi ze kini. Uma be ni ngi tanda, nga ni jabula, ngokuba ngi ya kuBaba; loku uBaba mkulu ku nami.

isa. 16. 16. & 20. 17. & 10. 30. Fil. 2. 6.

29 Se ngi ni tyelile ku nga kenzeki, ukuba ni kolwe se kwenzekile.

isa. 13. 19. & 16. 4.

30 A ngi se zi kukuluma kakulu nani: i yeza inkosi yezwe, kepa a i naluto kimi.

isa. 12. 31. & 16. 11.

31 Kodwa ku njalo ukuze izwe lazi ukuba ngi ya tanda uBaba, ngenze njengokungiyala kuka Baba. Sukani, si muke lapa.

isa. 10. 18. Fil. 2. 8. Heb. 5. 8.

## ISAHLUKO 15.

**M**INA ngi ivini impela; uBaba u umlimi.

2 Amagatya onke a kimi a nga teli izitelo, u ya wa susa: kodwa onke a tela izitelo, u ya wa tena, ukuba a tele kuku.

Mat. 15. 13.

3 Nina se ni hlambululekile ngezwi enga li tyo kini.

isa. 13. 10. & 17. 17.

Ef. 5. 26.

4 Hlalani kimi, nami kini. Njengegatya li nge tele izitelo ngokwalo, uma li nga hlali evinini; ku njalo nani uma ni nga hlala kimi.

Kol. 1. 23. 1 John. 2. 6.

5 Mina ngi ivini; nina ni ngamagatya. O hlala kimi nami kuye, uyena o tela izitelo eziningi; ni ngenze luto ngapandhle kwami.

Hos. 14. 8. Fil. 1. 11.

6 Uma umuntu e nga hlali kimi, u lahlwa ngapandhle njengegatya, a bune; ku butwa wona, a ponswe emlilweni, a tyiswe.

Mat. 3. 10. & 7. 19.

7 Uma ni hlala kimi, namazwi ami e hlala kini, no cela eni ku tandayo, ni kwenzelwe.

isa. 14. 13, 14. & 16. 23.

8 uBaba u dunyiswa ngaloku, ngokutela kwenu izitelo eziningi; njalo ni ya kuba abafundi bami.

Mat. 5. 16. Fil. 1. 11.

isa. 8. 31. & 13. 35.

9 Njengaloku uBaba u ngi tandile, nami ngi ni tandile; hlalani otandweni lwami.

10 Uma ni gcina imiyalo yami, no hlala otandweni lwami; njengaloku ngi gcine imiyalo ka Baba, ngi hlala otandweni lwake. isa. 14. 15, 21, 23.

11 Ngi shumaye le loku kini, ukuba ukujabula kwami ku hlale kini, nokujabula kwenu ku gwaliseke.

isa. 16. 24. & 17. 13. 1 John. 1. 4.

12 Lo u umyalo wami, wokuba ni tandane, njengaloku ngi ni tandile.

isa. 13. 34. 1 Pet. 4. 8.

13 Akuko umuntu o notando olukulu ku na loku kokuba u bekele izihlobo zake ukupila kwake. isa. 10. 11, 15.

Rome 5. 7, 8. Ef. 5. 2. 1 John. 3. 16.

14 Ni izihlobo zami, uma nenza loko engi ni yala ngako. Mat. 12. 50.

isa. 14. 15, 23.

15 A ngi sa tyo ukuti ni izineeku: ineeku a i kwazi okwenziwa inkosi yayo; kodwa ngi te ni izihlobo; ngokuba ngi nazisile konke engi ku zwileyo kuBaba. Gen. 18. 17. isa. 17. 26. Imis. 20. 27.

16 Nina a ni ngi ketanga, kodwa mina ngi ni ketile nina, ngi ni bekele, ukuba ni ye ni tele, nezitelo zenu zi hlale; ukuba loko eni ku celayo kuBaba ngegama lami, a ni nike konu.

isa. 6. 70. 1 John. 4. 10, 19. # Mat. 28. 19.

17 Iloku engi ni yala ngako, ukuba ni tandane.

18 Uma izwe li ni zonda, ni yazi, la qala la ngi zonda mina. 1 John. 3. 1, 13.

19 Uma ni ngabezwe, izwe nga li tandana okwalo; kepa loku ni nge ngabezwe, ngi ni ketile ezweni, nga loku izwe li ya ni zonda. 1 John. 4. 5. isa. 17. 14.

20 Kumbulani izwi enga li tyoyo kini lokuti, Ineeuku a inkulu ku nenkosi yayo. Uma be ngi hlupile, ba ya kunihlupa nani; uma be li gcinile izwi lami, ba ya kuligeina nelenu. Mat. 10. 24.

Luk. 6. 40. isa. 13. 16. Hez. 3. 7.

21 Kodwa ba ya kwenza konke loku kini ngegama lami, ngokuba be nga ni azi ongitumileyo. Mat. 10. 22. & 24. 9.

isa. 16. 3.

22 Uma be ngi nga fikile, nga shumayela kubo, nga be be nge nasono; kodwa kaloku a ba nazaba ngezono zabo.

isa. 9. 41. Rome 1. 20. Jak. 4. 17.

23 O ngi zodayo u zonda noBaba.

1 John. 2. 23.

24 Uma be ngi ngenzile pakati kwabo imisebenzi e ngenziwe omunye, nga be be nge nasono; kepa kaloku ba bonile, ba zonda mina noBaba.

isa. 3. 2. & 7. 31. & 9. 32.

25 Kodwa ku njalo ukuba ku gewaliseke izwi eli lotyiweyo emtetweni wa kubo, lokuti, Ba ngi zonda ngeze.

Izihl. 35. 19. & 69. 4.

26 Nxa se e fikile uMtokozi, engi ya kumtumela kini e vela kuBaba, uMoya weqiniso, o puma kuBaba, uyena o ya kuqinisa ngami. Luk. 24. 49.

isa. 14. 17, 26. & 16. 7, 13. Imis. 2. 33.

1 John. 5. 6.

27 Nani ni ya kuqinisa, ngokuba be ni nami iloku kwa qalayo. Luk. 24. 48.

Imis. 1. 21, 22. & 2. 32. & 4. 20, 33. 1 Pet. 5. 1.

2 Pet. 1. 16. # Luk. 1. 2. 1 John. 1. 1, 2.

## ISAHLUKO 16.

**L**OKU ngi ku shumaye le kini ukuba lu ni nga kubeki. Mat. 11. 6.

2 Ni ya kulahlwa; yebo, ku yeza isikati, lapo lowo o ni bulalayo u ya kuti, u konza uTixo. isa. 9. 22. & 12. 42.

Imis. 8. 1. & 9. 1. & 26. 9-11.

3 Ba ya kwenza loku, ngokuba be nga ni azi uBaba nani. isa. 15. 21.

4 Ngi ku shumaye le loku kini, ukuba si ti si fika isikati, ni ku kumbule ukuti, nga ni tyela. Kepa a ngi ni tyelanga loku kuqala, ngokuba be ngi nani.

isa. 13. 19. & 14. 29. Mat. 9. 15.

5 Kepa kaloku ngi ya kongitumileyo; kepa amuko kinina o ngi buza ukuti, U ya ngapi na. isa. 7. 33. & 13. 3. & 14. 28.

6 Kepa izinhliziyu zenu zi gewele umunyu, ngokuba ngi shumaye le loku kini. isa. 14. 1.

7 Kodwa ngi ni tyela iqiniso; ku ni lungele ukuba ngi muke. Uma ngi nge-muki, uMtokozi ka yi kuza kini; kepa uma ngi muka, ngi ya kumtumela kinina. isa. 7. 39. & 14. 16, 26. & 15. 26.

Imis. 2. 33. Ef. 4. 8.

8 Se e fikile yena u ya kuqondisa izwe ngokona, na ngokulunga, na ngokwahlula;

9 Ngokona, ngokuba be nga kolwa imi; Imis. 2. 22-37.

10 Ngokulunga, ngokuba ngi ya kuBaba, ni nga sa yi kungi bona.

Imis. 2. 32. isa. 3. 14. & 5. 32.

11 Ngokwahlula, ngokuba inkosi ya lelizwe yahlulwe. Imis. 26. 18.

Luk. 10. 18. isa. 12. 31. Kol. 2. 15. Heb. 2. 14.

12 Ngi se nokuningi engi nga ni tyela kona, kodwa ni nge kwamkele manje.

Mark. 4. 33. 1 Kor. 3. 2. Heb. 5. 12.

13 Kepa se e fikile lo, uMoya weqiniso, wo ni fundisa iqiniso lonke; ka yi kuzikulumela okwake; kodwa loko a ku



zwayo, wo ku kuluma, a ni tyele loko okuzayo. isa. 14. 17, 26. & 15. 26.

1 John 2. 20, 27.

14 U ya ku ngi dumisa, loku u ya kwamkela okwami, a ni tyele kona.

15 Konke uBaba a nako, ku ngokwami; ngaloku ngi tyilo ukuti, u ya kwamkela okwami, a ni tyele kona.

Mat. 11. 27.

isa. 3. 35. & 7. 33. & 13. 3. 33.

& 14. 19. & 17. 10.

16 Ku se za kuba isikatyana ni nga be ni sa ngi bona, ku buye ku be isikatyana, ni ngi bone, ngokuba ngi ya kuBaba.

17 Kona abanye kubafundi bake ba kuluma, be ti, Ku ini loku a ku tyoyo kiti ukuti, Ku se za kuba isikatyana ni nga be ni sa ngi bona, ku buye ku be isikatyana, ni ngi bone na; nokuti, Ngokuba ngi ya kuBaba na?

18 Ba ti, Ku ini loku a ku tyoyo ukuti, Isikatyana na? a si kwazi ukuba u tini.

19 uJesu wazi ukuba ba tanda ukumbuza, wa ti kubo, Ni ya buzana ini ngaloko, engi ku tyiloyo ukuti, Ku se za kuba isikatyana, ni nga be ni sa ngi bona, ku buye ku be isikatyana, ni ngi bone na?

20 Ng i qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Ni ya kulila, ni kale, kodwa izwe li ya kutokoza; ni ya kudabuka, kepa ukudabuka kwenu ku ya kupenduka ukutokoza.

21 Umfazi nxa e sa beleta u hlupeka, ku fikile isikati sake; kepa nxa se e belete umntwana, a nga be e sa kumbula ukuhlupeka ngokutokoza, ngokuba ku zelwe umuntu ezweni. Isai. 26. 17.

22 Nani ni ya hlupeka kaloku; kepa ngi ya kubuya ngi ni bone, inhliziyo yenu i tokoze, a ku yi kubako muntu o nga namuka ukutokoza kwenu.

Luk. 24. 41. 52. isa. 20. 20.

Imis. 2. 46. & 13. 52. 1 Pet. 1. 8.

23 Nga lomhla a ni yi kucela luto kimi. Ng i qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Loko eni ya kucela kuBaba ngegama lami, wo ni nika kona.

Mat. 7. 7. isa. 14. 13.

24 A ni ka celi luto ngegama lami; celani, kona ni ya kwamkeliswa, ku ze ku pelele ukutokoza kwenu. isa. 15. 11.

25 Ng i shumayele doku kini ngemifanekiso; kodwa isikati si yeza, lapo ngi nga sa yi kushumayela kini ngemifanekiso, ngi ya ku ni tyela ngoBaba ku be sobala.

26 Nga lomhla ni ya kucela ngegama lami; a ngi tyo kini ukuti, ngi ya kunikulekela kuBaba.

27 Yena uBaba u ya ni tanda, ngokuba ni ngi tandile, na kolwa ukuba nga puma kuTixo. isa. 3. 13. & 14. 21, 23. & 17. 8.

28 Nga puma kuBaba, ngi ze emhlabeni: futi ngi shiya umhlaba ngi buyela kuBaba. isa. 13. 3.

29 Abafundi bake ba ti kuye, Bheka, kaloku se u kuluma oku sobala, a u sa kulumi umfanekiso.

30 Kaloku si yazi ukuba wena u ya kwazi konke, a u dingi ukuba umuntu a ku buze: ngaloku si ya kolwa ukuba wena wa puma kuTixo.

isa. 21. 17. & 17. 8.

31 uJesu wa ba pendula wa ti, Se ni kolwa manje.

32 Bhekani, isikati si yeza, yebo, se si fikile, lapo ni ya kuhlakazeka nonke ni ye kwaba kini, ni ngi shiye ngedwa, kepa a ngi ngedwa, uBaba u nami.

Mat. 26. 31. Mark 14. 27.

isa. 8. 29. & 14. 10, 11. & 20. 10.

33 Ng i tyelile loku, ukuba ni be nokutula kimi. Ezweni ni ya kuhlupeka: kodwa yimani isibindi, ngi ngobile izwe. Isai. 9. 6. isa. 14. 27. Ef. 2. 14.

isa. 14. 1. & 15. 20. Rome 8. 37.

1 John. 4. 4. & 5. 4.

## ISIAHLUKO 17.

UJESU wa shumayela loku, wa bheka ezulwini, wa ti, Baba, isikati si fikile; dumisa iNdodana yako, ukuba indodana yako i ku dumise:

isa. 12. 23. & 13. 32.

2 Loku u i nikile amandhla pezu kwabantu bonke, ukuba bonke, o i nikile bona, i ba nike ukupila okupakade.

Mat. 23. 18. isa. 3. 35. & 6. 37. Fil. 2. 10.

Heb. 2. 8.

3 Ukupila okupakade iloku, ukwazi wena uTixo weqiniso yedwa, noJesu Kristu o m tumileyo. Isai. 53. 11.

Jer. 9. 24. 1 Tes. 1. 9.

isa. 3. 34. & 5. 36, 37. & 6. 29, 57. & 7. 29.

& 10. 36. & 11. 42.

4 Ng i ku dumisile ezweni; ngi qedile umsebenzi owa ngi nika ukuba ngi wenze. isa. 13. 31.

isa. 4. 34. & 14. 31. & 15. 10. & 19. 30.

5 Na kaloku, Baba, ngi dumise wena, ngokudumisa e be ngi nako ngi nawe, izwe li nga ka bi ko.

isa. 1. 1, 2. & 10. 30. & 14. 9. Heb. 1. 3, 10.

6 Ng i bonakalisile igama lako kuba-

ntu aba sezweni, o ngi nike bona. Ba be abako, wa ngi nika bona, ba gcinile izwi lako. Izihl. 22. 22.

isa. 6. 37. 39. & 10. 29. & 15. 19.

7 Ba yazi kaloku, ukuba konke, o ngi nike kona, ku vele kuwe.

8 Ngokuba ngi ba nikile amazwi o ngi nike wona; ba wamkele, bazi isibili ukuba nga tunywa uwe.

isa. 14. 10. & 16. 27, 30.

9 Ngì ya ba kulekela bona; a ngi kulekeli izwe, ngi kulekela labo o ngi nike bona, be ngabako. 1 John. 5. 19.

10 Nako konke okwami ku ngokwako, nako konke okwako ku ngokwami; ngi dunyisive ngako. isa. 16. 15.

11 A ngi se ko ezweni mina: ba sezweni bona; mina ngi ya kuwe. Baba o ingewele, ba geine egameni lako labo o ngi nike bona, ukuba ba be munye nje-ngati. isa. 13. 1. & 16. 28. 1 Pet. 1. 5.

Jude 1. || isa. 10. 30.

12 Lapo be ngi nabo ezweni nga ba gcina egameni lako; ngi ba lindile labo o ngi nike bona; a ka lahleki namunye kubo, kupela indodana yokubujiswa, ukuba ku gwaliseke umbalo.

isa. 6. 39. & 10. 28.

1 John. 2. 19. & 13. 18. & 18. 9. Izihl. 109. 8.

Imis. 1. 20.

13 Se ngi za kuwe kaloku: ngi shumayela loku ezweni, ukuba ba be nokutokoza kwami ku pelele kubo.

14 Ngì ya ba nikile izwi lako; izwe li ya ba zonda, ngokuba a sibo abezwe, nje-ngami a ngi siye owezwe.

isa. 8. 23. & 15. 18, 19. 1 John. 3. 13.

15 A ngi celi ukuba u ba suse ezweni, ngi cela ukuba u ba geine ebubini. Mat. 6. 13. Gal. 1. 4. 2 Tes. 3. 3. 1 John. 5. 18.

16 A sibo abezwe, njengami a ngi siye owezwe.

17 Ba hlambulule ngeqiniso: izwi lako li iqiniso. 1 Pet. 1. 22. || 2 Sam. 7. 28. Izihl. 119. 142, 151. isa. 8. 40.

18 Njengaloku wa ngi tumela ezweni, nami nga ba tumela bona ezweni.

isa. 20. 21.

19 Ngì ya zihlambulula ngenxa yabo, ukuba ba hlanjululwe ngeqiniso.

1 Tes. 4. 7. Heb. 10. 10.

20 A ngi kulekeli bona bodwa, ngi kulekela nabo abakolwa imi ngezwi labo.

21 Ukuba bonke ba be munye; nje-ngawe, Baba, u kimi, nami ngi kuwe, ba be munye nabo kitina, ukuba izwe li kolwe ukuba u ngi tumile.

isa. 10. 16, 33. Rome 12. 5. Gal. 3. 28.

22 Ngì ba nikile ubukosi, owa ngi nika bona; ukuba ba be munye njengati si munye. isa. 14. 20. 1 John. 1. 3.

23 Mina ngi kubona, wena u kimina, ba ze ba be munye ku pelele; izwe lazi ukuba u ngi tumile wena, nokuba u ba tandile njengaloku u ngi tandile.

Kol. 3. 14.

24 Baba, ngi ya tanda ukuba labo, o ngi nike bona, ba be kona nami lapa ngi kona, ba bone ubukosi bami owa ngi nika bona ngokuba wa ngi tanda, ku nga ka dabuki umhlaba.

isa. 12. 26. & 14. 3.

25 Baba olungileyo, izwe a li kwazi wena, kodwa mina ngi ya kwazi, na laba ba yazi ukuba u ngi tumile.

isa. 15. 21. & 16. 3. || isa. 7. 29. & 8. 55.

& 10. 15. & 16. 27.

26 Ngì bazisile igama lako, se ngi ya kulazisa, ukuba utando o ngi tanda ngalo lu be kubo, nami ngi be kubo.

isa. 15. 9, 15.

## ISAHLUKO 18.

UJESU se e shumayeke loku, wa puma kanye nabafundi bake, wa ya pesheya komfulana iKedroni, lapa i kona insimu, wa ngena kuyo nabafundi bake. Mat. 26. 36. Mark 14. 32. Luk. 22. 39.

2 Sam. 15. 23.

2 uJuda owa m nikelayo wa yazi le-yondawo, ngokuba uJesu wa vama ukulhangana kona nabafundi bake.

Luk. 21. 37. & 22. 39.

3 Njala uJuda wa tabata isigaba samabuto namapolise kubapristi abakula nabaFarisi, weza lapo, be pete izihlanti, nezibani, nezikali. Mat. 26. 47-56.

Mark 14. 43-50. Luk. 22. 47-53. Imis. 1. 16.

4 uJesu e kwazi konke oku za kumehlela, wa puma wa ti kubo, Ni funa ubani na?

5 Ba ni pendula ba ti, uJesu wa seNazareta. uJesu wa ti kubo, Imina. Wema nabo uJuda owa m nikelayo.

6 Se e tyilo ukuti, Imina, ba hlehla nyovane, ba wa pansì.

7 Wa buya wa ba buza wa ti, Ni funa ubani na? Ba ti, uJesu wa seNazareta.

8 uJesu wa pendula wa ti, Ngì ni tye-lile ngi ti, Imina. Uma ni funa mina, ni ba yeke laba bemtuke.

9 Ukuba ku gwaliseke izwi a li tyoyo ukuti, Laba o ngi nike bona, a ngi lahlekelwe namunye kubo. isa. 17. 12.

10 uSimone Petro e nenkamba wa i kipa, wa tyaya inceku yompristi omku-

lu, wa nquma indhlebe yayo yokunene. Igama lenceku li nguMalkosi.

Mat. 26. 51. Mark 14. 47. Luk. 22. 49.

11 Kona uJesus wa ti kuPetro, Faka inkemba esikwameni sayo: isitya uBaba a ngi nike sona, a ngi yi kusipuzana?

Mat. 20. 22.

12 Isigaba samabuto nenduna yenkulungwane namapolise abaJuda, ba m bamba uJesus, ba m bopa.

13 Ba qala ba m yisa kuAnasi, ngokuba e ngumkwe ka Kaiafasi, owa e ngumpristi omkulu nga lowomnyaka.

Mat. 26. 57. Luk. 3. 2.

14 uKaiafasi wa e ngulowo owa yala abaJuda ngokuti, ku fanele ukuba umuntu e mnye a fele abantu. isa. 11. 50.

15 uSimone Petro nomuuye umfundi ba m landela uJesus. Lomfundi waziwa umpristi omkulu, wa ngena kanye noJesus esigohlweni sompristi omkulu.

Mat. 26. 58. Mark 14. 54. Luk. 22. 54.

16 Kepa uPetro wema ngapandhle nga sesangweni. Wa puma lomfundi omunye owaziwa umpristi omkulu wa kuluma kumlindi wesango, wa ngenisa uPetro.

Mat. 26. 69. Mark 14. 66.

17 Intombazana e linda isango ya ti kuPetro, A u siye owa kubafundi ba lomuntu na? Wa ti, A ngi siye.

18 Kwa ku mi kona izinceku namapolise, ba pema umlilo, kwa ku makaza, bota. uPetro wema nabo, wota.

19 Umpristi omkulu wa buza uJesus ngabafundi bake, na ngokufundisa kwake.

20 uJesus wa m pendula wa ti, Ngi shumayele obala ezweni, nga fundisa ngezikati zonke endhlini yokusonta, na setempelini, lapa abaJuda bonke ba butana kona; a ngi shumayelanga luto esita.

Mat. 26. 55. Luk. 4. 15.

21 U ngi buza ngani na? Buza labo abezwayo, ukuba nga shumayelani kubo; bheka, ba ya kwazi enga ku tyoyo.

22 Se e tyilo loku, elinye ipolise eli mi kona, la mukula uJesus, li ti, U m pendula umpristi omkulu kanjalo na?

Jer. 20. 2. Imis. 23. 2.

23 uJesus wa m pendula wa ti, Uma ngi kulume okubi, qinisa lokukubi; uma ngi kulume okuhle, u ngi tyayelani na?

24 uAnasi wa m tuma e botyiwe kuKaiafasi umpristi omkulu.

Mat. 26. 57.

25 Wa be e ni ota uSimone. Ba ti kuye, A u siye owa kubafundi bake na? Wa pika, wa ti, A ngi siye.

Mat. 26. 69, 71. Mark 14. 69. Luk. 22. 58.

26 Ya ti enye inceku yompristi omkulu, umhlobo wa lowo a m nquma indhlebe uPetro, A ngi ku bonile ini u naye ensimini na?

27 Wa buya wa pika uPetro: iqude la kala masinyane. Mar. 26. 74. Mark 14. 72.

Luk. 22. 60. isa. 13. 38.

28 Ba puma noJesus kuKaiafasi, ba ya epretorio; kwa ku kusasa. Kepa a ba ngenanga epretorio, ukuba ba nga ngoeliswa, yebo, ukuba ba dhle ipasika.

Mat. 27. 2. Mark 15. 1. Luk. 23. 1.

Imis. 10. 28. & 11. 3.

29 uPilatu wa pumela kubo wa ti, Ni lete icala lini nga lomuntu na?

30 Ba pendula ba ti kuye, Uma e nge siye umuntu owonayo, nga si nga m letanga kuwe.

31 uPilatu wa ti kube, M tabatani, ni tete icala lake ngomateto wa kini. Ba ti abaJuda kuye, A ku vunyelwa tina si bulale umuntu.

32 Ukuba ku gewaliseke izwi lika Jesu a li tyoyo, e bonisa ukufa a be ya kufa ngako. Mat. 20. 19. isa. 12. 32, 33.

33 uPilatu wa buya wa ngena epretorio, wa biza uJesus, wa ti kuye, U inkosi yabaJuda na?

Mat. 27. 11.

34 uJesus wa m pendula wa ti, U zityolo loku wena, ku ko wa tyelwa abanye ngami na?

35 uPilatu wa pendula wa ti, Ngi umJuda na? Isizwe sa kini nabapristi abakulu ba ku nikele kimi: wenzeu na?

36 uJesus wa pendula wa ti, Umbuso wami a siwo wa lelizwe, Uma umbuso wami u ngowa lelizwe izinceku zami za zi ya kulwa, ngi nga nikelwa kubaJuda; kodwa umbuso wami a siwo owa lapa.

Dan. 2. 44. & 7. 14. isa. 6. 15.

37 uPilatu wa ti kuye, U inkosi na? uJesus wa pendula wa ti, U tyo wena, ukuti, ngi inkosi. Nga zalelwa loku, ngeza ngaloku emhlabeni, ukuba ngi qinise iqiniso. Bonke aba ngabeqiniso bezwa izwi lami.

isa. 8. 47.

1 John. 3. 19. & 4. 6.

38 uPilatu wa ti kuye, Iqiniso li ini na? Se e tyilo loku, wa buya wa pumela kubaJuda, wa ti kubo, A ngi fumani icala kuye. Mat. 27. 24. Luk. 23. 4.

isa. 19. 4. 6.

39 Kepa ku umkuba wenu ukuba ngi ni kululele omunye ngepasika: ni ya tanda ukuba ngi ni kululele inkosi yabaJuda na?

Mat. 27. 15. Mark 15. 6.

Luk. 23. 17.

40 Ba buya ba memeza bonke, be ti, Qa

lomuntu; si tanda uBaraba. uBaraba wa e umpangi. Imis. 3. 14. Luk. 23. 19.

ISAHLUKO 19.

**K**ONA uPilatu wa tabata uJesu wa m tyaya. Mat. 20. 19. & 27. 26.

Mark 15. 15. Luk. 18. 33.

2 Amabuto aluka umqele wameva, a u faka ekanda lake, a m ambatisa ingubo ebomvu,

3 A ti, Bayete, Nkosi yabaJuda; a m mukula.

4 uPilatu wa buya wa puma, wa ti kubo, Bhekani, ngi m pumisela kini, ukuze, nazi ukuba a ngi fumani icala kuye. isa. 18. 38.

5 uJesu wa puma embete umqele wameva, nengubo ebomvu. Wa ti kubo uPilatu, Nangu lomuntu.

6 Abapristi abakulu nezinceku, se be m bonile, ba memeza, ba ti, M betele, m betele, uPilatu wa ti kubo, M tabatani, ni m betele; a ngi fumani icala kuye.

Imis. 3. 13.

7 Ba m pendula abaJuda ba ti, Si nomteto; ngomteto wa kiti, nga e fa, ngokuba wa zenza iNdodana ka Tixo.

Levi 24. 16. Mat. 26. 65.

8 uPilatu se e zwile lelizwi, wesaba kakulu.

9 Wa buya wngena epretorio, wa ti kuJesu, U ngowapi na? Kepa uJesu ka m pendulanga.

Isai. 53. 7.

Mat. 27. 12, 14.

10 uPilatu wa ti kuye, A u kuluhni kimi na? a wazi ini ngi namandhla okukubetela, ngi namandhla okukukulula?

11 uJesu wa pendula wa ti, U nge be namandhla kimi, uma u nga wa piwe pezulu; ngako o ngi nikele kuwe u nesono esikulu. Luk. 22. 53. isa. 7. 30.

12 Emva kwa loku uPilatu wa funa ukumikulula; kodwa abaJuda ba memeza, ba ti, Uma u kulula lomuntu, a u siso isihlobo sika Kesari; lowo o zenza inkosi u pika uKesari. Luk. 23. 2.

Imis. 17. 7.

13 uPilatu se e zwile lelizwi wa m pumisa uJesu, wa hlala esihlalweni sokwahlula, endaweni okutiwa Egandeywe ngamatye, kepa ngokwamaHeberu, iGatabata.

14 Kwa ku usuku lokulungisela ipasi-ka, ku nga ihora lesitupa; wa ti kubaJuda, Bhekani, nansi inkosi yenu!

Mat. 27. 62.

15 Kodwa ba memeza, be ti, Susa,

susa, m betele. uPilatu wa ti kubo, Ngo i betela inkosi yenu na? Abapristi abakulu ba pendula ba ti, A si nankosi, uKesari kupela. Gen. 49. 10.

16 Kona wa m nikela kubo, ukuba a betelwe. Ba m tabata uJesu, bemuka naye. Mat. 27. 26. Mark 15. 15.

17 E twele isipambano sake wa pumela endaweni e tiwa Eyenhloko, okutiwa ngokwamaHeberu iGolgota; Mat. 27. 31.

Mark 15. 21. Luk. 23. 26. Imib. 15. 36.

Heb. 13. 12.

18 Lapa ba m betela kona; nabanye ababili, ngalapa na ngalapa, uJesu u pakuti.

19 uPilatu wa loba incwadi, wa i beka esipambanweni; kwa lotywa ukuti, UJESU WA SENAZARETA INKOSI YABAJUDA. Mat. 27. 37.

Mark 15. 26. Luk. 23. 38.

20 Abaningi kubaJuda ba i funda leyoncwadi; ku seduze nomuzi indawo lapo uJesu wa betelwa kona; kwa lotywa ngokwamaHeberu, nokwamaGriki, nokwamaRoma.

21 Abapristi abakulu babaJuda ba ti kuPilatu, U nga lobi ukuti, Inkosi yabaJuda; kepa loba ukuti, wa ti, Ngi inkosi yabaJuda.

22 uPilatu wa pendula wa ti, Engi ku lobileyo, ngi ku lobile.

23 Amabuto, se e m betele uJesu, a tabata izingubo zake, a zenza izabelo zine, kwa ba ilelobuto la ba nesabelo; a tabata nebantyi: kodwa ibantyi la li nge namtungo, la lalukwe lonke. Mat. 27. 35.

Mark 15. 24. Luk. 23. 34.

24 Ba kuluma, be ti, A si nga li dabuli, kepa a senzelaue ngalo inkato yokuti li ya kuba elika bani: ukuba ku gewaliseke umbalo otyoyo ukuti, Bahlulelana izingubo zami, benzelana inkato ngesivato sami. Amabuto enza njalo.

Izihl. 22. 18.

25 Kwa ku mi nga sesipambanweni sika Jesu unina, nodade wabo ka nina, uMaria umka Klopa, noMaria Magdalene. Mat. 27. 55. Mark 15. 40.

Luk. 23. 49. & 24. 18.

26 uJesu e bona unina, nomfundi a m tundayo bemi kona, wa ti kunina, Mame, bheka, nansi indodana yako.

isa. 2. 4. & 13. 23. & 20. 2. & 21. 7, 20, 24.

27 Wandu kuti kumfundi, bheka, nangu unyoko. Nga lesosikati lomfundi wa se e m tabata wa m yisa ekaya.

isa. 1. 11. & 16. 32.

28 Emva kwa loku, uJesu azi ukuba

konke se ku fezekile ukuze ku gwalise-  
ke umbalo, wa ti, ngomile. Izihl. 69. 21.

29 Kwa ku kona isitya si gewele iwai-  
ini, ba ewilisa ilula ewainini elimunyu,  
ba li faka ohlangeni, ba li yisa emlonye-  
ni wake. Mat. 27. 48.

30 uJesu e lamkele iwaini wa ti, Ku  
pelile; e kotama ikanda, wa fa. isa. 17. 4.

31 Loko ku ngusuku lokulungisela,  
abaJuda ba nxusa uPilat ukuuba kwa-  
pulwe imilenze yabo, ba suswe, izidu-  
mbu zi nga hlali esipambanweni ngeSa-  
bata, ngokuba lwa lu lukulu usuku lwa  
leloSabata. Mark 15. 42. Dut. 21. 23.

32 Kona amabuto eza, a yapula imile-  
nze yowokuqala neyomunye aba bete-  
lwa kanye naye.

33 Kepa eza kuJesu, a bona e se file,  
kapulanga imilenze yake.

34 Kodwa elinye ibuto la m gwaza  
ohlangotini ngomkonto; kwa se ku pu-  
ma igazi namanzi. 1 John. 5. 6, 8.

35 Obonileyo wa qinisa; ukuqinisa  
kwake ku qinisile; u yazi ukuba u tyo  
iqiniso, ni ze ni kolwe.

36 Kwenziwa loku ukuba ku gewali-  
seke umbalo, o ti, A ku yi kwapulwa  
itambo lake. Eks. 12. 46. Imib. 9. 12.

Izihl. 34. 20.

37 Omunye umbalo u ti, Ba ya ku-  
mbheka aba m gwazileyo. Izihl. 22. 16, 17.  
Zek. 12. 10. Isam. 1. 7.

38 Emva kwa loku uJosefa wa seAri-  
matia, e ngumfundi ka Jesu, e filha ngo-  
kwesaba abaJuda, wa nxusa uPilat u-  
kuuba a suse isidumbu sika Jesu; uPi-  
latu wa m vumela. Kona weza wa susa  
isidumbu lika Jesu. Mat. 27. 57-61.

Mark 15. 42-47. Luk. 23. 50-56.

39 Kwa fika noNikodemu, oweza ku-  
Jesu kuqala ebusuku, e pete ixube lemure  
nenhlaka ku ngamapondwe a ikulu.  
isa. 3. 1, 2.

40 Ba tabata isidumbu sika Jesu, ba si  
songa ngezindwangu kanye namaka,  
njengemvelo yabaJuda yokumbela.

Imis. 5. 6.

41 Kwa ku kona insimu ku leyonda-  
wo, lapa wa betelwa kona; ensimini  
kwa ku kona ituna elitya, oku nga za-  
nga ku bekwe umuntu kulo.

42 Ba m beka uJesu kona ngenxa yo-  
suku lokulungisela kwabaJuda, ngoku-  
ba ituna li seduze. Isai. 53. 9.

ISAHLUKO 20.

NGOSUKU lokuqala lwesonto, uMa-  
ria Magdalene wa fika etuneni, eku-

seni, ku se mnyama, wa bona itye li  
susiwe etuneni. Mat. 28. 1-8.

Mark 16. 1-8. Luk. 24. 1-9.

2 Wa gjijima wa ya kuSimone Petro,  
na ku lomfundi omunye owa tandwa  
uJesu, wa ti kubo, Ba susile iNkosi etu-  
neni, a sazi lapa be i beke kona.  
isa. 13. 23. & 19. 26. & 21. 7, 20, 24.

3 uPetro wa puma na lomfundi omu-  
nye, ba ya etuneni. Luk. 24. 12.

4 Ba gjijima bobabili kanye, kodwa lo-  
mfundi omunye wa gjijima ngejubane  
ku noPetro, wa fika etuneni kuqala.

5 Wa kotama, wa bona izindwangu zi  
kona; kepa a ka za a ngena. isa. 19. 40.

6 Wa fika uSimone Petro, e m lande-  
la, wa ngena etuneni, wa bona izindwa-  
ngu zi kona,

7 Neduku e be li sekanda lake, li nge  
ko ezindwangwini, li songwe lodwa  
kwenye indawo. isa. 11. 44.

8 Kona wa ngena na lomfundi omu-  
nye owa fika kuqala etuneni, wa bona,  
wa kolwa.

9 Ba be nga kazi umbalo wokuti, nga  
e vuka kwabafileyo. Izihl. 16. 10.  
Imis. 2. 25-31. & 13. 34, 35.

10 Abafundi bemuka ba buyela kubo.

11 Kodwa uMaria wema etuneni nga-  
pandhle, e kala: e sa kala, wa kotamela  
etuneni, Mark 16. 5.

12 Wa bona izingelosi ezimbili zi ne-  
zingubo ezimhlope, zi hlezi, enye nga  
sekanda nenye nga sezinyaweni, lapa  
isidumbu sika Jesu be si lele kona.

13 Za ti kuye, Mame, u kalelani na?  
Wa ti kubo, Ba susile iNkosi yami, a  
ngazi lapa be i beke kona.

14 Se e tyilo loku, wa pendukela  
emva, wa bona uJesu e mi, e ngazi uku-  
ba uJesu. Mat. 28. 9. Mark 16. 9.

Luk. 24. 16, 31. isa. 21. 4.

15 uJesu wa ti kuye, Mame, u kale-  
lani na? u funa ubani na? Yena, e ti u  
ngumlindi wensimu, wa ti kuye, Nkosi,  
uma u m susile ngi tyela lapa u m beke  
kona, ngi ye ngi m tabate.

16 uJesu wa ti kuye, Maria. Wa pe-  
nduka wa ti kuye, Raboni, okukuti,  
Mfundisi.

17 uJesu wa ti kuye, U nga ngi na-  
mati, a ngi kenyukeli kuBaba; hamba  
u ye kubazalwane bami, u ti kubo, Ngi  
senyukela kuBaba wami noYihlo wenu,  
kuTixo wami noTixo wenu. Mat. 28. 10.

Rome 8. 29. Heb. 2. 11. isa. 16. 28.

Ef. 1. 17.

18 uMaria Magdalene weza wa ba tyela

abafundi, wa ti, u i bonile iNkosi, ya tyo loko kuye. Mat. 28. 10. Luk. 24. 10.

19 Nga lolosuku kusihlwa, olokuqala lwesonto, iminyango i valiwe, lapa abafundi be hlangene kona ngokwesaba abaJuda, uJesu wa fika wema pakati kwabo, wa ti kubo, Ukutula a ku be kini.

Mark 16. 14. Luk. 24. 36. 1 Kor. 15. 5.

20 Se e tyilo loko, wa ba bonisa izandhla nohlangoti lwake. Abafundi ba tokoza be bona iNkosi. isa. 16. 22.

21 uJesu wa buya wa ti kubo, Ukutula a ku be kini: njengokuba uBaba u ngi tumile, njalo nani ngi ya ni tuma nina. Mat. 28. 18. isa. 17. 18, 19.

2 Tim. 2. 2. Heb. 3. 1.

22 Se e tyilo loko, wa ba pepeta ngomoya, wa ti kubo, Yamkelani umoya o ingewele.

23 Labo eni ba tetelela izono, ba zi tetelelwa; na labo eni ba bamba ngazo, ba banjwa. Mat. 16. 19. & 18. 18.

24 Keba uTomasi, o tiwa uDidimu, omunye kwaba ishumi nambili, wa e nge ko kubo ekufikeni kuka Jesu.

isa. 11. 16.

25 Abanye abafundi ba ti kuye, Si i bonile iNkosi. Wa ti kubo, Uma ngi nga boni ezandhleni zayo ubavu lwezipikili, ngi fake umunwe wami obawzini lwezipikili, ngi fake isandhla sami ohlangotini lwayo, a ngi yi kukolwa.

26 Emva kwezinsuku ezishiyagalombili, abafundi bake ba be kona pakati futi, uTomasi e nabo. Weza uJesu, iminyango i valiwe, wema pakati kwabo, wa ti, Ukutula a ku be kini.

27 Andu kuti kuTomasi, Zisa lapa umunwe wako, u bone izandhla zani; zisa isandhla sako, u si fake ohlangotini lwami; u nga bi ongakolwayo, kodwa okolwayo. 1 John. 1. 1.

28 uTomasi wa pendula wa ti kuye, Nkosi yami, Tixo wami.

29 uJesu wa ti kuye, Tomasi, u koliwe ngokuba u ngi bonile: ba busiswe aba kolwa be nga boni.

2 Kor. 5. 7. 1 Pet. 1. 8.

30 Izibonakaliso eziningi ezinye uJesu wa zenza pambi kwabafundi bake, ezi nga lotyiwe ku lenewadi. isa. 21. 25.

31 Kodwa lezi zi lotyiwe ukuba ni kolwe ukuti, uJesu u uKristu, iNdodana ka Tixo, nokuba ni kolwe, ni be noku-pila ngegama lake. Luk. 1. 4.

isa. 3. 15, 16. & 5. 24. 1 Pet. 1. 8, 9.

## ISAHLUKO 21.

EMVA kwa loku uJesu wa buya wa zibonakalisa kubafundi bake nga selwandhle lwa seTiberia: wa zibonakalisa ngokuti;

2 Kwa ku kona ndawonye uSimone Petro noTomasi o tiwa uDidimu, noNataneli wa seKana la seGalile, namadodana ka Zebedi, nabanye kubafundi bake be babili. isa. 1. 45. Mat. 4. 21.

3 uSimone Petro wa ti kubo, Ngi ya kuJoba izinhlanzi. Ba ti kuye, Si ya kuhamba nawe. Ba se ba puma masinyane, ba ngena emkunjini, kodwa a ba bambanga luto nga lobobusuku.

4 Se ku sile uJesu wema ogwini; kupa abafundi ba be ngazi ukuba u ngu-Jesu. isa. 20. 14.

5 uJesu wa ti kubo, Bantwana, a ni nakudhla na? Ba m pendula ba ti, Qa. Luk. 24. 41.

6 Wa ti kubo, Ponsani ineta ngahlangotini lokunene lomkunibi, kona ni ya kutola. Ba ponsa, a ba be se ba namandhla okulidonsa ngobuningi bezinhlanzi. Luk. 5. 4, 6, 7.

7 Lomfundi a m tandayo uJesu, wa ti kuPetro, iNkosi. uSimone Petro e zwa ukuba iNkosi, wambata ingubo yake, (loku e be e ze), wa ziponsa elwandhle.

isa. 13. 23. & 20. 2.

8 Abanye abafundi beza ngomkumbi, (be be nge kude nomhlabati, ku nga ba izingalo, ezimakulu mabili), be hudula ineta li nezinhlanzi.

9 Se be fikile emhlabatini ba bona umlilo u kona, nezinhlanzi zi bekwe kuwo, nesinkwa.

10 uJesu wa ti kubo, Letani izinhlanzi eni zi bambileyo manje.

11 uSimone Petro wa kupuka wa hudulela ineta emhlabatini, li gewele izinhlanzi ezinkulu, zi ikulu namashumi amahlanu nantatu; kodwa ineta a li gqabukanga, noma zi ngaka.

12 uJesu wa ti kubo, Yizani ni dhle. Kodwa a kwa ba ko kubafundi owa enesibindi ukumbuzwa ngokuti, Ubani wena na? bazi ukuba iyo iNkosi.

Imis. 10. 41.

13 Weza uJesu wa tabata isinkwa, wa ba pa, wa ba pa nezinhlanzi.

14 Loku ku ngokwesitatu uJesu wa bonakala kubafundi bake, se e vukile kwabafileyo. isa. 20. 19, 26.

15 Se be dhile, uJesu wa ti kuSimone Petro, Simone ka Jona, u ya ngi tanda ku na laba na? Wa ti kuye, Yebo,

Nkosi, u yazi ngi ya ku tanda. Wa ti kuye, Bonisa amaundhlu ami.

16 Wa buya wa ti kuye, Simone ka Jona, u ya ngi tanda na? Wa ti kuye, Yebo, Nkosi, u yazi ngi ya ku tanda. Wa ti kuye, Yalusa izimvu zami.

Imis. 20. 28. Heb. 13. 20. 1 Pet. 5. 2.

17 Wa ti kuye ngokwesitatu, Simone ka Jona, u ya ngi tanda na? uPetro wa dabuka, ngokuba wa ti kuye ngokwesitatu, U ya ngi tanda na? Wa ti kuye, Nkosi, u ya kwazi konke, u yazi ngi ya ku tanda. uJesu wa ti kuye, Yipa izimvu zami.

isa. 2. 24, 25. & 16. 30.

18 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuye, U se mutya, wa u zibopa, wa hamba lapa wa u tanda kona: kodwa se u mdala, u ya kwelula izaundhla zako, omunye a ku bope, a ku yise lapa u nga tandi kona.

isa. 13. 36. Imis. 12. 3, 4.

19 Wa tyo loku, e fanisa lokokufa a ya kumdumisa uTixo ngako. Se e tyilo loku, wa ti kuye, Ngi landele.

2 Pet. 1. 14.

20 uPetro wa penduka, wa bona lo-

mfundi a m tandayo uJesu, e landela, owa e cambalele esifubeni sake ekudhle- ni, wa ti, Nkosi, ubani yena o za kuku- nikela na?

isa. 13. 23, 25. & 20. 2.

21 uPetro e m bona lo, wa ti kuJesu, Nkosi, wo tini yena po na?

22 uJesu wa ti kuye, Uma ngi tanda ukuba a-hlale ngi ze ngi fike, ku ini ku- we na? Ngi landele wena.

Mat. 16. 28.

1 Kor. 4. 5. & 11. 26.

Isam. 2. 25. & 3. 11. & 22. 7, 20.

23 Kona kwa ku tyiwo pakati kwaba- zalwane ukuti, lomfundi a ka yi kufa. Kodwa uJesu a ka tyongo ukuti, A ka yi kufa; wa ti, Uma ngi tanda ukuba a hlale ngi ze ngi fike, ku ini kuwe na?

24 Lowo u ngumfundi o qinisa lezizi- nto, wa zi loba; si yazi ukuqinisa kwa- ke ku qinisile.

isa. 19. 35. 3 John. 12.

25 Ku kona okunye okuningi a kwe- nzayo uJesu, uma ku lotyiwe konke ngakunye, ngi ti nezwe lonke li nge zanele izinwadi ezi nga lotywayo. Ameni.

isa. 20. 30. Amosi 7. 10.

## IMISEBENZI YABAPOSTOLI.

### ISAHLUKO 1.

**T**EOFILU, ngi lobile incwadi yoku- qala ya loko konke, uJesu a qala ukukwenza nokukufundisa,

Luk. 1. 3.

2 Kwa za kwa ba usuku a kutyulwa ngalo, se e yalile ngoMoya o ingewe- le abapostoli, a be ba ketile:

Mark. 16. 19.

Luk. 9. 51. & 24. 51. 1 Tim. 3. 16.

Mat. 28. 19. John. 20. 21. isa. 10. 42.

3 Wa ziveza kubo, e sa pila, emva ko- kuhlupeka kwake, ngezibonakaliso ezi- ningi, e bonwa ibo izinsuku ezima- shumi amane, e kuluma ngokombuso ka Tixo:

Mark. 16. 14. Luk. 24. 36. John. 21. 1, 14.

1 Kor. 15. 5.

4 E se butene nabo, wa ba yala ukuba ba nga muki eJerusalem, ba si hlalele isitembiso sika Yise, sona eni si zwile ngami.

Luk. 24. 49.

John. 14. 16, 26. & 15. 26. isa. 2. 33.

5 uJohane wa bapatiza ngamanzi; kodwa nina ni ya kubapatizwa ngoMoya o ingewele ku nga ka bi izinsuku ezi- ningi.

Mat. 3. 11. isa. 2. 4. & 11. 16.

6 Se be butene, ba m buza, be ti, Nkosi,

u za kubuyisela kubaIsraeli umbuso nga lesisikati na?

Mat. 24. 3.

7 Wa ti kubo, A siko okwenu ukwazi izikati nemizuzu, uYise a zi misele em- andhleni ake.

Mat. 24. 36. Mark. 13. 32.

1 Tes. 5. 1.

8 Kepa ni ya kwamkeliswa ama- ndhla, se e fikile pezu kwenu uMoya o ingewele, ni be ofakazi bami eJerusa- lema, na seJudia lonke, na seSamaria, ku ze ku fike na semikaulweni yomhla- ba.

isa. 2. 1-4. Luk. 24. 48, 49.

John. 15. 27. isa. 2. 32.

9 Se e tyilo loku, wa kutyulwa, be sa m bheka; ifu la m amkela a ba be be sa m bona.

Luk. 24. 51. John. 6. 62.

10 Be sa qolozela ezulwini, e senyuka, bheka, amadoda amabili emi kubo, embete izingubo ezimhlope:

Mat. 28. 3.

Mark. 16. 5. Luk. 24. 4. John. 20. 12. isa. 10. 30.

11 A ti, Nina madoda a seGalile, ni meleni ni bheke ezulwini na? Lo uJesu o suswe kini wenyukela ezulwini, u ya kubuya njengaloku ni bone e ya ezul- lwini.

isa. 2. 7. & 13. 31. Mat. 24. 30.

2 Tes. 1. 10.

12 Ba se be buyela eJerusalema, be vela entabeni okutiwa eyomhlwati, e kufupi neJerusalema, ibanga lokulamba ngesabata. Luk. 24. 52.

13 Se be ngenile ba kupukela egumbini eli pezulu, lapo be ku hlezi uPetro, noJakobe, noJohane, noAndrea, noFilipu, noTomasi, noBartolome, noMateu, noJakobe ka Alfeu, noSimone umZelote, noJuda, umfo wabo ka Jakobe. isa. 9. 37, 39. & 20. 8. Mat. 10. 2-4. Luk. 6. 15. Jude 1.

14 Labo bonke ba qinisa nganhliziyonye ekunxuseni na sekukulekeni, kanye nesifazana, noMaria unina ka Jesu, nalazalwane babo. isa. 2. 1, 46. Luk. 23. 49, 55. & 24. 10.

15 Nga leyomihla uPetro wa suka wema pakati kwabafundi (ukuma kwabantu aba be kona ku nga ba ikulu namashumi mabili), wa ti, Isam. 3. 4.

16 Madoda, bazalwane, kwa ku fanele ukuba ku gwaliseke loku okulotyweyo, a ku shumayela pambili uMoya o ingeweke ngomlomo ka Davida ngoJuda, owa be umholi wa labo aba be m bamba uJesu. Izihl. 41. 9. Luk. 22. 47. John. 13. 18. & 18. 3.

17 Wa e balwe kanye nati, wa zuza indawo ku lenkonzo. Mat. 10. 4. Luk. 6. 16. isa. 20. 24. & 21. 19.

18 Uyena wa tenga izwe ngomvuzo wesono; wa wa ngekanda, wa quma pakati, kwa palazwa izibilini zake zonke. Mat. 27. 7. Mat. 26. 15.

19 Kwezwakala loku kubo bonke aba seJerusalema, kwa za kwa ti, lelizwe la qanjwa ngolimi lwa kubo ukuti, Ake-ldama, oku ukuti, Izwe legazi.

20 Ngokuba ku lotyiwe enwadini yezihlabelelo ukuti, Indhlu yake ma i citeke, ku nga hlali umuntu kuyo, isikundhla sake a si patwe omunye. Izihl. 69. 25. & 109. 8.

21 Nga loko nga ku miswa omunye ku lababantu aba hlanguana nati isikati sonke iNkosi uJesu e ngena e puma ngaso pakati kwetu,

22 I qala ekubapatzizeni kuka Johane kwa za kwa ba usuku eya kutyulwa ngalo kitina, a be ufakazi wokuyuka kwayo kanye nati. Mark 1. 1. John. 15. 27. isa. 4. 33.

23 Ba se be misa ababili, uJosefa o tiwa uBarsaba, elinye igama lake li nguJustu, noMatia. isa. 15. 22.

24 Ba kuleka, be ti, Wena, Nkosi, owaziyo izinhliziyi zabo bonke, si bo-

nise ukuba u mupi ku labababili o m ketileyo,

1 Sam. 16. 7. isa. 15. 8. Isam. 2. 23.

25 Ukuba a tabate isikundhla sa lenkonzo nobupostoli, a hlubuka kuso uJuda ukuya endaweni yake.

26 Ba bekelana inkato yabo; inkato ya dhla uMatia, wa balwa kanye nabapostoli aba ishumi nanye.

## ISAHLUKO 2.

**K**WA ti se ku fikile usuku lwepente-koste, ba be ndawonye bonke nganhliziyonye.

Levi 23. 15. isa. 20. 16. isa. 1. 14.

2 Ba zumeke inhlokomo i vela ezulwini, ku nga ti eyesipepo esi pepeta nganandhla, ya i gwalisa indhlu yonke aba be hlezi kuyo. isa. 4. 31.

3 Kwa bonwa ibo izilimi ezahlukeneyo zi njengezomlilo, kwa ba ilowo wehlelwa ilo.

4 Bonke ba gwalisa uMoya o ingeweke, ba qala ukushumayela ngezinye izilimi, njengaloku uMoya wa ba pa ukupumesela. isa. 1. 5. Mark 16. 17.

isa. 10. 46. & 19. 6.

1 Kor. 12. 10, 28, 30. & 13. 1. & 14. 2.

5 Kwa ku kona eJerusalema abaJuda, abantu abakolwayo, be vela ezizweni zonke ezi pansi kwezulu.

6 Se ku dumile loku, abantu ba butana, betuka, ngokuba kwa ba ilowo wa bezwa be kuluma ngolimi lwa kubo.

7 Bonke ba mangala nokumangala, ba kuluma, be ti, Bhekani, laba bonke abashumayelayo a si ngaba seGalile na? isa. 1. 11.

8 Ku njani po, si zwa sonke ngolimi lwetu esa zalwa nalo na?

9 amaPartia, namaMede, naba seElamu, nabakileyo eMesopotamia, na seJudia, na seKapadosia, na sePontu, na seAsia,

10 eFrigia, na sePamfilia, Egipte, na sezeweni la seLibia nga seKurene, naba seRoma aba hambela kona, abaJuda nabapendukileyo bezizwe,

11 Aba seKrete naba seArabia, si ya bezwa be shumayela ngezilimi za kiti imisebenzi emikulu ka Tixo.

12 Ba mangala bonke, ba dinga, ba kuluma, be ti, Ku nga linganisani loku na?

13 Abanye ba hlekisa, be ti, Lababantu ba gewele iwaini elimnandi.

14 Kepa uPetro e mi naba ishumi nanye, wa memeza, wa ti kubo, Madoda a



seJudia, nani nonke aba seJerusalema, ma kwazeke loku kini, ni lalele amazi ami:

15 Laba ka ba dakiwe, njengokucabanga kwenu; ku se ihora lesitatu la semini: 1 Tes. 5. 7.

16 Kodwa ku iko okwa shunyayelwa umprofeti uJoeli ukuti,

17 U ti uJehova, ngezinsuku zokupela ngo tela uMoya wami pezu kwabantu bonke; amadodana enu namadodakazi enu a ya kuprofeta; abalisa benu ba ya kubona izibonakaliso, nabadala benu ba ya kupupa amapupo: Isai. 44. 3.

Joeli 2. 28-32. isa. 10. 45. & 21. 9.

18 Nga lezozinsuku ngo tela uMoya wami pezu kwezinceku zami na pezu kwezincekukazi zami; zi ya kuprofeta: isa. 21. 4, 9, 10.

19 Ngi ya kwenza izimangaliso ezulwini pezulu, nezibonakaliso emhlabeni pans; igazi, nomlilo, nomusi:

20 Ilanga li ya kupenduka ubumnyama, inyanga i penduke igazi, ku nga ka fiki usuku olukulu nolwesabekayo lweNkosi. Mat. 24. 29.

21 Ku ya kuti, bonke aba kuleka egameni leNkosi ba sindiswe. Rome 10. 13.

22 Madoda abaIsraeli, a ke ni zwe lamazwi; uJesu wa seNazareta, umuntu o qiniswa uTixo pakati kwenu ngemisebenzi emikulu na ngezimangaliso nezibonakaliso, uTixo a zenza ngaye pakati kwenu; njengaloku ni kwaziyo nina: John. 3. 2. & 14. 10, 11. isa. 10. 38. Heb. 2. 4.

23 Yena lo, se e nikelwe ngecebo elimisiweyo na ngokwazi kuka Tixo, na m bamba, na m betela ngezandhla ezimbi, na m bulala: Mat. 26. 24. Luk. 22. 22. isa. 4. 28. & 5. 30.

24 Yena a m vusayo uTixo, e kulule ubuhlungu bokufa, loku e nge nakubanjwa iko. isa. 3. 15. & 4. 10. & 10. 40. & 13. 30, 34. & 17. 31. 1 Kor. 6. 14. & 15. 15. 2 Kor. 4. 14. Gal. 1. 1. Ef. 1. 20. Kol. 2. 12. 1 Pet. 1. 21.

25 uDavida wa shumayela ngaye, e ti, Nga i bona iNkosi i sebusweni bami ngezikati zonke; i ngakwesokunene sami ukuze ngi nga zanyazanyiswa. Izihl. 16. 8-11.

26 Nga loku inhliziyo yami ya tokoza, ulimi lwami lwa jabula; futi inyama yami i ya kupumula ngetemba.

27 Ngokuba u nga yi kushiya umpefumlo wami ehadesi, u nga vumi o ingewele wako a bone ukubola.

28 U ngazisile izindhlela zokupila; wo ngi gwalisa ngokutokoza ebusweni bako.

29 Madoda, bazalwane, ma ngi shumayele, ngi pimisela kini ngokoko uDavida, ukuti, wa fa, wembelwa, ituna lake li kona kwi na namhla nje. isa. 13. 36.

30 Loku e ngumprofeti, azi ukuba uTixo wa funga kuye ngesifungo soku ti, u ya kumisa uKristu, e vela enzalweni yake ngokwenyama, a hlale esihlalweni sake sobukosi; Izihl. 132. 11.

Luk. 1. 32. Rome 1. 3.

31 E bona loku ngapambili, wa shumayela ngokuvuka kuka Kristu ukuti, umpefumlo wake a u shiyelwanga ehadesi, inyama yake a i bonanga ukubola. isa. 13. 35.

32 Lo uJesu se u vusile uTixo; si ngofakazi ba loku tina sonke. isa. 1. 8.

33 U pakanyiselwe ngakwesokunene sika Tixo, e samkeliswe uYise isitembiso sikaMoya o ingewele, u telile loku eni ku bonayo neni ku zwayo. isa. 5. 31. Fil. 2. 9. Heb. 10. 12. John. 14. 26.

isa. 1. 4. & 10. 45.

34 uDavida a kenyukanga ukuya ezulwini, kepa u ti, iNkosi ya ti eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,

Mat. 22. 44. 1 Kor. 15. 25.

35 Ngi ze ngenze izita zako zi be isabelo sezinyawo zako.

36 Ma ku ti indhlu yonke ka Israeli yazisise ukuti, uyena uJesu eni m betele, uTixo u m enzile iNkosi noKristu. isa. 5. 31.

37 Ba ti ukuzwa loku, ba hlabeka izinhliziyi, ba ti kuPetרו na kwabanye abapostoli, Madoda, bazalwane, si ya kwenzani na? Luk. 3. 10.

isa. 9. 6. & 16. 30.

38 Kona uPetרו wa ti kubo, Pendukani, ni bapatizwe nonke ngegama lika Jesu Kristu, ku tetelelwe izono, ni ze namkeliswe isipiwo sikaMoya o ingewele. Luk. 24. 47. isa. 3. 19.

39 Ngokuba isitembiso si kini na kubantwana benu, na kubo bonke aba kude, e ya kubabiza iNkosi uTixo wetu. Joeli 2. 28.

isa. 3. 25. & 10. 45. & 11. 15, 18. & 14. 27.

& 15. 3, 8, 14. Ef. 2. 13, 17.

40 Wa qinisa ngamanye amazwi amaningi, wa yala, e ti, Zisindiseli ku lesisizukulwane esonakeleyo.

41 Kona aba be lamkela izwi lake ngokutokoza ba bapatizwa; kwenezele-

Iwa kubo nga lomhla abantu, ku nga ba izinkulungwane ezintatu.

42 Ba qinisa bema ekufundiseni kwa-bapostoli, na sekuhlanganeni, na sekuhleputeni isinkwa, na sekukulekeni.

isa. 1. 14. Rome 12. 12. Ef. 6. 18. Kol. 4. 2.

43 Abantu bonke behlelwa ukwesaba : kwenziwa abapostoli izimangaliso nezi-bonakaliso eziningi.

isa. 5. 12.

44 Bonke abakolwayo ba be ndawonye, ba zi hlanguyela izinto zonke.

isa. 4. 32.

45 Ba tengisa ngemfuyo na ngempahla, babelana ngayo bonke ngokuswela kwabo.

46 Imihla ngemihla ba hlala nganblyonye etempelini, ba hlepula isinkwa izindhlu ngezindhlu, ba dhla ukudhla kwabo ngokujabula na ngenhliziyo emhlope ;

isa. 1. 14.

Luk. 24. 53. isa. 5. 42. & 20. 7.

47 Be bonga uTixo, be tandeka kubantu bonke. iNkosi yenezela ebandhleni imihla ngemihla abeza kusindiswa.

Luk. 2. 52. isa. 4. 33. & 5. 14. & 11. 24.

### ISAHLUKO 3.

**U**PETRO noJohane ba kupuka kanye ukuya etempelini ngehora lokukuleka, elesishiyagalolunye.

isa. 2. 46. Izihl. 55. 17.

2 Kwa twalwa umuntu owa e isityotya iloku wa zalwa ; ba m beka imihla ngemihla esangweni letempeli okutiwa Lihle, ukuze a cele imali kwabangena etempelini.

isa. 14. 8. John. 9. 8.

3 Wa bona uPetro noJohane be za kungenza etempelini, wa cela imali.

4 uPetro wa m bhekisisa kanye noJohane, wa ti, Si bheke.

5 Wa ba bheka, e ti u za kwamkeliswa imali ibo.

6 Kona uPetro wa ti kuye, A ngi nasiliva negolide ; kepa ngi ku nika loku engi nako ; ngegama lika Jesu Kristu wa seNazareta, suka u me, u hambe.

isa. 4. 10.

7 Wa m bamba ngesandhla sokumene, wa m misa ; kwa qina masinyane izinyawo zake namaqakala ake.

8 Wa xuma, wema, wa hamba, wa ngena nabo etempelini, e hamba, e xuma, e dumisa uTixo.

Isai. 35. 6.

9 Abantu bonke ba m bona e hamba e dumisa uTixo.

isa. 4. 16, 21.

10 Ba m azi ukuba uyena owa e hlalela ukupiwa esangweni elihle letempe-

li : ba mangala nokumangala nga loko okwenziwe kuye.

11 E sa bambelela kuPetro noJohane, abantu bonke ba gijima ba butana kubo esangweni okutiwa elika Solomona, ba mangala kakulu.

John. 10. 23. isa. 5. 12.

12 uPetro se e bone loku, wa pendula, wa ti kubantu, Madoda abaIsraeli, ni mangalelani ngaloku na ? ni si bukela-ni, ngokungati si m hambise lomuntu ngamandhla etu na ngokulunga kwetu ?

13 uTixo ka Abraham, noIsaka, noJakobe, uTixo wa obaba betu, u dumisile iNnodana yake uJesu, ena m nikelayo, na m pika ebusweni buka Pilatu, se e nqamule ukumkulula.

isa. 5. 30.

John. 7. 39. & 12. 16. & 17. 1. Mat. 27. 2, 20.

Mark. 15. 11. Luk. 23. 18-21. John. 18. 40.

& 19. 15. isa. 13. 28.

14 Kepa na m pika o ingewele nolungileyo, na cela ukuba ni piwe umuntu owa e umbulali.

Mark. 1. 24. isa. 4. 27.

& 7. 52. & 22. 14.

15 Na i bulala iNkosi yokupila, a i yusileyo uTixo kwabafileyo, esi ngofakazi bako tina.

Heb. 2. 10. I John. 5. 11.

16 Ngokukulwa igama layo, lomuntu eni m bonayo neni m aziyo, li m qinisile igama layo ; yebo, ukukulwa oku ngayo ku m nikile lokukupila pambi kwenu nonke.

Mat. 9. 22. isa. 4. 10.

17 Kepa kaloku, bazalwane, ngi yazi nenza ngokungazi, njengamakosi enu.

John. 16. 3. isa. 13. 27. I Kor. 2. 8.

I Tim. 1. 13.

18 Kepa uTixo u ku gwalisile loko a ku tyoyo ngapanibili ngomlomo wabaprofeti bonke kokuti, nga e hlupeka uKristu.

isa. 26. 22. Izihl. 22. Isai. 50. 6.

& 53. 5. Dan. 9. 26. I Pet. 1. 10, 11.

19 Pendukani ngaloku, ni gukuke, ku tefelwele izono zenu, ku ze ku fike izikati zokupumula ezi vela ebusweni beNkosi ;

isa. 2. 38.

20 I ze i tume uJesu Kristu ena m miselwa ngapanibili ;

21 O nga e ngamkelwa izulu ku ze ku be izikati zokubuyiswa kwezinto zonke, a zi shumayelayo uTixo ngomlomo wabo bonke abaprofeti bake abangewele, se loku kwa dabuka izwe.

isa. 1. 11.

Mat. 17. 11. Luk. 1. 70.

22 uMosi wa ti kobaba betu, iNkosi uTixo wenu i ya kunivusela unprofeti wa kubazalwane benu, o njengami ; ni ya kumlalela yena ngako konke kini.

Dut. 18. 15, 19. isa. 7. 37.

23 Ku ya kuti abantu bonke, aba nga

m laleli lomprofeti, ba bujiswe be nga bi be sa ba ko ebantwini.

24 Yebo, abaprofeti bonke, ku qala kuSamueli ku dhlula njalo, bonke aba shumayelayo, ba profeta nga lezozinsuku.

25 Nina ni ngabantwana babaprofeti, nabesivumelwano, a senzayo uTixo nobaba betu, e ti kuAbrahama, Izizwe zonke zomhlaba zi ya kubusiswa inzalo yako. isa. 2. 39. Rome 9. 4. & 15. 8. Gen. 12. 3. & 22. 18. & 26. 4. & 28. 14. Gal. 3. 8.

26 uTixo se e vusile iNdodana yake, wa qala wa i tuma kinina, i ni busise ngokunipendula nonke ezonweni zenu.

Mat. 1. 21. & 10. 5. & 15. 24. Luk. 24. 47. isa. 13. 32, 46.

#### ISAHLUKO 4.

**K**WA ti, be sa shumayela kubantu, abapristi, neuduna yetempeli, nabaSaduse, ba fika, Luk. 22. 4. isa. 5. 24.

2 Ba tukutela ngokuba ba fundisa abantu, be shumayela ngoJesu ukuvuka kwabafileyo. Mat. 22. 23. Imis. 23. 8.

3 Ba ba bamba, ba ba faka etilongweni kwa za kwa sa; ngokuba kwa se ku hlwile.

4 Kepa abaningi aba li zwayo izwi ba kolwa; ukuma kwabantu kwa nga ba izinkulungwane ezi isihlanu.

5 Kwa ti ngangomso kwa butana eJerusalema ababusi ba kubo, namalunga, nababali;

6 noAnasi, noKaiafa noJohane, noAlesandro, nabo bonke abendhlu yompristi omkulu. Luk. 3. 2. John. 18. 13.

7 Ba ba misa pakati kwabo, ba buza, ba ti, Nenze loku nga mapi amandhla, na nga lipi igama na? Eks. 2. 14.

Mat. 21. 23. isa. 7. 27.

8 Kona uPetro e gewele uMoya o ingewele, wa ti kubo, Nina babusi babantu, namalunga ka Israeli,

9 Uma si buzwa namhla ngomsebenzi olungileyo owenzelwa lomuntu owa e gula, ukuba u sindiswe ngani,

10 Ma kwazeke kinina nonke, na kubantu bonke ba kwa Israeli, ukuti, ngegama lika Jesu Kristu wa seNazaret, ena m betelayo, a m vusileyo uTixo kwabafileyo, ngaye u mi lomuntu pambi kweni, u sindile. isa. 2. 24.

11 Yena lo u itye ela delelwa inina abaki, e se li inhloko yegumbi.

Izihl. 118. 22. Mat. 21. 42.

12 A ku ko ukusindiswa ngomunye; a li ko elinye igama pansi kwezulu

eli nikwa ebantwini, esi nga sindiswa ngalo. Mat. 1. 21. 1 Tim. 2. 5.

13 Se be bonile isibindi sika Petro noJohane, be qonde ukuba ba aba nga fundile ba abantu nje, ba mangala, bazi ukuba ba be hamba noJesu. Mat. 11. 25.

14 Be bona lomuntu opilisiweyo e mi nabo, ba be nge nakupika luto. isa. 3. 11.

15 Ba ba yala ukuba ba pume empakatini, ba hlangana bodwa,

16 Be ti, Si ya kwenze njani ku lababantu na? loku ku bonakele kubo bonke aba hlezi eJerusalema, ukuti, isimangaliso esidumekileyo senziwe ibo, si nge pike kona. John. 11. 47.

17 Kodwa ku nga bi ku sandiswa ebantwini, a si ba songele nokubasongela, ba nga be be sa shumayela kumuntu namunye nga leligama.

18 Se be ba bizile, ba ba yala ukuba ba nga shumayeli, ba nga fundisi ngegama lika Jesu na kanye.

19 Kepa uPetro noJohane ba pendula ba ti kubo, A ke nahlukanise, ukuba ku lungile ebusweni buka Tixo si lalele nina ku noTixo. isa. 5. 29.

20 Tina a si nakuyeka ukuzishumayela izinto esi zi bonileyo nesi zi zwileyo. isa. 1. 8. & 2. 32. & 22. 15.

21 Ba buya ba ba songela, ba ba yeka, be nga fumani luto aba nga ba jezisa ngalo, ngenxa yabantu; loku abantu bonke ba dumisa uTixo nga loko okwenziweyo. Mat. 21. 26. Luk. 20. 6, 19. isa. 3. 7, 8. & 5. 26.

22 Ngokuba lomuntu, esenziwa kuye lesimangaliso sokupilisa, wa e nemi nyaka emashumi mane nomvo.

23 Se be yekwe, ba ya kwaba kubo, ba ba tyela konke abapristi abakulu namalunga aba be ku tyilo kubo.

24 Se be zwile loko ba kuleka kuTixo nganhliziyonye, be ti, Nkosi, u nguTixo wena, owenza izulu nonhlaba; nolwandhle, nako konke oku kona;

2 Ama. 19. 15.

25 Owa tyo ngomlomo wenceku yako uDavida, ukuti, Izizwe zi tukutelelani, nabantu ba zindhlelani oku ize na?

Izihl. 2. 1.

26 Amakosi omhlaba a vukela, nababusi ba butana ndawonye ngayo iNkosi, na ngaye uKristu wayo.

27 Nembala uHerodi, noPontio Pilatu, kanye nezizwe nabantu ba kwa Israeli, ba butana ku lomuzi ngeNdodana yako e ingewele, uJesu, o m gcobileyo,

Mat. 26. 3. Luk. 1. 35. & 4. 18. & 22. 2.

& 23. 1, 8.

28 Ukuze ba kwenze loko oku nqunyuwa ngapambili isandhla sako necebo loko, ukuba kwenziwe. isa. 2. 23. & 3. 18.

29 Na kaloku, Nkosi, bheka ukusongela kwabo, u zi pe izinceku zako ukuba zi shumayele izwi lako, zi mi isibindi sonke, isa. 9. 27. & 13. 46. & 14. 3. & 19. 8. & 26. 26.

30 Ngokwelula isandhla sako ukupilisa, kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ugegama leNdodana yako e ingewe-le, uJesu. isa. 2. 43. & 3. 6. & 5. 12.

31 Se be kuleke, kwa zanyazaunyiswa indawo lapa be butene kona, ba gewala uMoya o ingewele bonke, ba shumayela izwi lika Tixo, be mi isibindi. isa. 16. 26.

32 Bonke abakolwayo be be nhliziyonye nompefunlo munye: a kwa ba ko noyedwa o ti, into a nayo eyake; ba hlanguyela izinto zonkana zabo.

Fil. 1. 27. 1 Pet. 3. 8. isa. 2. 44.

33 Abapostoli ba qinisa ngamandhla makulu ukuyuka kweNkosi uJesu: umusa omkulu wa u pezu kwabo bonke. isa. 1. 8, 22. & 2. 47.

34 Kwa ku nge ko oswelayo kubo: ngokuba bonke aba be namazwe nezindhlu, ba tenga ngako, ba leta imali ya loko aba tenga ngako. isa. 5. 2. & 6. 1.

35 Ba i beka ezinyaweni zabapostoli: kwabelwa bonke njengokuswela kwabo. isa. 5. 2.

36 Kwa ti uJose, owa bizwa abapostoli ngokuti, uBarnaba, (oku ukuti ngokukumtywa, Indodana yokutokozisa), umLeviti, wa seKupero ngokuzalwa,

37 Yena e nezwe, wa tenga ngalo, wa leta imali, wa i beka ezinyaweni zabapostoli.

#### ISAHLUKO 5.

**K**ODWA umuntu otila, igama lake uAnania, noSafira umkake wa tenga ngemfuyo,

2 Wa godhla enye imali, e kwazi nomkake, wa leta enye, wa i beka ezinyaweni zabapostoli. isa. 4. 37.

3 Kona uPetro wa ti, Anania, ini ukuba uSatani u gwalisile inhliziyo yako ukuba u qambe amanga kuMoya o ingewele, u godhla enye imali yezwe na? Imib. 30. 2.

Dut. 23. 21. Ums. 5. 4. Luk. 22. 3.

4 Li se kona, la li nge silo elako na? li tengiwe, be li nge ko emandhleni ako na? U zindhleleni loku ngenhliziyo yako na? A u qamba amanga kubantu, u qamba amanga kuTixo.

5 uAnania e zwa lamazwi, wa wa pansi, wa fa. Kwa fika ukwesaba okukulu pezu kwabo bonke abezwa loko.

6 Izinsizwa zesuka, za m bopa, za m yisa ngapandhle, za m mbela. John. 19. 40.

7 Se ku dhluke amahora a nga ba matatu, kwa ngena umkake, e nga kwazi okwenzekileyo.

8 uPetro wa ti kuye, Ngi tyele ukuba ni tege imali e ngaka ngezwe na? Wa ti, Yebo, i ngaka.

9 uPetro wa ti kuye, Ni hlanguyeni ngani ukulinga uMoya weNkosi na? Bheka, izinyawo zaba mbela indoda yako zi semnyango; ba za kukutwala, ba ku pumese. Mat. 4. 7.

10 Wa se e wa pansi masinyane nga sezinyaweni zake, wa fa. Izinsizwa za ngena, za m fumana e file, za m yisa ngapandhle, za m mbela nga sendodeni yake.

11 Kwa fika ukwesaba okukulu pezu kwebandhla lonke, na pezu kwabo bonke abezwa lezizinto. isa. 2. 43. & 19. 17.

12 Kwenziwa ngezandhla zabapostoli izibonakaliso nezimangaliso eziuingi pakati kwabantu; ba be nhliziyonye bonke esangweni lika Solomona.

isa. 2. 43. & 14. 3. & 19. 11. Rom. 15. 19.

Heb. 2. 4. I isa. 3. 11. & 4. 32.

13 Kodwa a kwa ba ko namunye owa e nesibindi sokuhlanguana nabo; kepa abantu ba ba dumisa impela.

John. 9. 22. isa. 2. 47. & 4. 21.

14 Kwenezelelwa kakulu eNkosini abakolwayo, ba ba baningi, isilisa nesifazana.

15 Ba kipa abagulayo, ba ba yisa ezindhleleni, ba ba beka emibedeni na sezinhlakeni, ukuba e dhluwa uPetro, isitunzi sake nje si ba siteze abanye kubo.

Mat. 14. 36.

16 Kwa puma abaningi emzini ya ngakona, bu butana eJerusalema, ba leta abagulayo nabahlutywa omoya ababi; ba piliswa bonke. Mark. 16. 17, 18.

John. 14. 12.

17 Kwa suka umpristi omkulu, nabo bonke aba be naye, oku uhlobo lwabaSaduse, ba be gewele ulaka. isa. 4. 1, 2, 6.

18 Ba ba bamba abapostoli ba ba faka etilongweni. Luk. 21. 12.

19 Kepa ingelosi yeNkosi ya vula iminyango yetilongo ebusuku, ya ba pumesa, ya ti, isa. 12. 7. & 16. 26.

20 Hambani, ni me ni shumayele etempeliini kubantu amazwi onke a lokukupila. John. 6. 68. & 17. 3. 1 John. 5. 11.

21 Se be zwile loko, ba ngena etempelini ekuseni, ba fundisa. Kepa kwa fika umpristi omkulu naba be naye, ba mema umpakati, namalunga onke enzalo ka Israeli, ba tumela etilongweni, ukunze ba letwe. isa. 4. 5, 6.

22 Se e fikile amapolise, ka ba fumana nanga etilongweni, a buya a bika,

23 E ti, Itilongo sa li fumana li valiwe, li qinile impela; abalindi bemi nga pandhle ebusweni beminyango: sa vula, ka sa fumana muntu ngapakati.

24 Umpristi omkulu nenduna yetempeli nezikulu zabapristi, se be zwile lezizindaba, ba ngabaza ngazo ukuba loku lo ku petwa ngani. isa. 4. 1.

25 Kwa fika umuntu wa ba tyela, e ti, Bhekani lababantu eni ba fake etilongweni, ba setempelini, be mi ba fundisa abantu.

26 Kona kwa ya induna kanye nama-polise, ya ba leta, be nga ba qubi ngamandhla kodwa, ngokuba besaba abantu funa ba kandwe ngamatye. Mat. 21. 26.

27 Se be fike nabo, ba ba misa empakatini: umpristi omkulu wa ba buza,

28 E ti, A si ni yalanga nokuniyala, ukuba ni nga fundisi nga leligama na? bhekani, se ni gewalisile iJerusalema ngokufundisa kwenu, ni ti ni ya kusitolisa icala legazi la lomuntu. isa. 4. 18. isa. 2. 23, 36. & 3. 15. & 7. 52. Mat. 23. 35. & 27. 25.

29 Wa pendula uPetro nabanye abapostoli, ba ti, Nga si lalela uTixo ku nabantu. isa. 4. 19.

30 uTixo wa obaba betu u m vusile uJesu, ena m bulala, na m panyeka entini; isa. 3. 13. & 22. 14. isa. 10. 39. & 13. 29. Gal. 3. 13. 1 Pet. 2. 24.

31 Lowo u m pakamisele uTixo ngakwesokunene sake, a be iNkosi noMsi-disi, ukuba a nike abaIsraeli ukupe-nduka nokutetelelwa izono. isa. 2. 33. Heb. 2. 10. & 12. 2. Mat. 1. 21. || Luk. 24. 47. isa. 3. 26.

32 Tina si ngofakazi bake ba lezizinto, kanye noMoya o ingewele, a m pile uTixo abamlalelayo. John. 15. 26, 27.

33 Ba ti ukuzwa loku, ba tukutela, benza icebo lokubabulala. isa. 2. 37. & 7. 54. & 22. 3.

34 Kona kwa suka umuntu wema empakatini, umFarisi, uGamaileli igama lake, umfundisi womateto, odumileyo ebantwini bonke, wa yala ukuba abapostoli ba punyiswe isikatyana;

35 Wa ti kubo, Madoda abaIsraeli, Qapelani loko eni ya kukwenza ku lababantu.

36 Ngokuba ngapambili kwa lezizinsuku, kwesuka uTeuda, e ti u ngumuntu omkulu; ba hlangana naye abantu ba nga ba amakulu amane kepa wa bulawa, yena nabo bonke abamlalelayo, ba citeka, ba pela.

37 Ngasemva kwa lomuntu, kwesuka uJuda wa seGalile, ezinsukwini zokubalelwa, wa ba hola abantu abaningi, ba m landela; wa bulawa naye nabo bonke abamlalelayo, ba citeka.

38 Kaloku ngi ti kini, Sukani ku lababantu, ni ba yeke; ngokuba uma lelicebo na lomsebenzi ku ngowabantu, ku ya kuciteka; Amazwi 21. 30.

39 Kodwa uma ku ngoka Tixo, ni nge ku cite, funa mhlambe ni funyanwe ni lwa noTixo. Luk. 21. 15. 1 Kor. 1. 25. isa. 23. 9.

40 Ba m vumela; ba biza abapostoli, ba ba tyaya, ba ba yala ukuba ba nga kulumi ngegama lika Jesu, ba ba yeka. isa. 4. 18. Mat. 10. 17. & 23. 34. Mark 13. 9.

41 Ba puma empakatini, be tokoza ngokuba ku tiwa, be fanele ukupatwa kabi ngegama lake. Mat. 5. 12. Fil. 1. 29. 1 Pet. 4. 13, 16.

42 A ba yekanga ukufundisa noku-shumayela ngoJesu Kristu imihla yonke etempelini na sezindhlini zonke. isa. 2. 46. & 4. 20, 29.

## ISAHLUKO 6.

**K**WA ti nga leyomihla, se be vamile abafundi, amaGrekhi a sola abaHeberu, a ti abafelokazi ba kubo ba ncitywa ekwabiweni kwemihla ngemihla. isa. 2. 41. & 4. 4. & 5. 14. || isa. 4. 35. & 9. 29. & 11. 20.

2Aba ishumi nambili ba biza ibandhla labafundi, ba ti, A ku fanele tina si yeke izwi lika Tixo, si konze amatebula. Eks. 18. 17.

3 Ngaloku, bazalwane, ketani pakati kwenu abantu aba isikombisa abaqoto, aba gewele uMoya o ingewele nokuhlakanipa, esi nga ba misela lomsebenzi. Dut. 1. 13. isa. 16. 2. 1 Tim. 3. 7.

4 Kepa tina si ya kuqinisa ukukuleka nokukonza izwi. isa. 2. 42.

5 Kwa ba kuhle lokukutyo kubantu bonke; ba keta uStefano, umuntu o gewele ukukolwa noMoya o ingewele, noFilipu, noProkoro, noNikanori, no-

Timona, noParmana, noNikola, ikolwa la seAntioki. isa. 11. 24. & 8. 5, 26. & 21. 8. Isam. 2. 6, 15.

6 Ba ba misa pambi kwabapostoli: ba kuleka, ba beka izandhla pezu kwabo. isa. 1. 24. & 13. 3. 1 Tim. 4. 14. & 5. 22. 2 Tim. 1. 6.

7 Kwanda izwi lika Tixo; abafundi ba vama kakulu eJerusalema; nabapristi abaningi ba kolwa. isa. 12. 24. & 19. 20. John. 12. 42.

8 uStefano e gwele umusa namandhla, wenza izimangaliso nezibonakaliso ezikulu ebantwini.

9 Kona kwesuka abanye bendhlu yokusonta okutiwa eyabaLibertino, naba seKurene, naba seAlessandria, nabavela eKilikia, na seAsia, ba pikisana noStefano.

10 Kepa ba be nge namandhla okupika ukuhlakanipa nomoya a shumayela ngawo. Luk. 21. 15. Isai. 54. 17.

11 Kona ba quba abantu bamanga aba ti, Si m zwile e shumayela amazwi enhlamba, e tuka uMosi noTixo.

1 Ama. 21. 10, 13.

12 Ba vusa abantu, namalunga, nababali, beza ba m bamba, ba m yisa empakatini.

13 Ba misa ofakazi bamanga aba ti, Lomuntu a ka ye ki ukushumayela amazwi okutuka lendawo engewele nomteto.

14 Si m zwile e ti, uJesu lo wa seNazareta u ya kucita lendawo, a pendule imikuba a si nika yona uMosi. isa. 25. 8. Dan. 9. 26.

15 Bonke aba be hlezi empakatini ba m bhekisisa, ba bona ubuso bake ka nga ti ubuso bengelosi.

### ISAHLUKO 7.

**W**A ti umpristi omkulu, Nembala lezi-zinto zi njalo na?

2 Wa ti, Madoda, bazalwane, nobaba, lalalani. uTixo wobukosi wa bonakala kubaba wetu uAbrahama, e se seMesopotamia, e nga ka hlali eKarana, isa. 22. 1.

3 Wa ti kuye, Suka ezweni la kini, na sezihlotyeni zako, u ye ezweni engi ya kukubonisa lona. Gen. 12. 1.

4 Kona wa puma ezweni lamaKaldia, wa hlala eKarana. Se e file uyise, uTixo wa m susa lapo, wa m hlalisa ku lelizwe eni hlezi kulo kaloku.

Gen. 11. 31. & 12. 4, 5.

5 Kodwa ka m nikanga iifa kulo, qa, nabala lonyawo; kepa wa m tembisa wa ti u za kumnika lona, li be lake nele-

nzalo yake emva kwake, e nga ka bi namntwana.

Gen. 12. 7. & 13. 15. & 15. 3, 18. & 17. 8.

6 uTixo wa shumayela ngokuuqe, wa ti, Inzalo yake i ya kuba abafu ezweni lelizwe, ba yenze izigqili, ba i pate kabi iminyaka e ngamakulu amane.

Gen. 15. 13, 14. Eks. 12. 40.

7 Isizwe e ya kuba izigqili kuso ngo si jezisa, wa tyo uTixo; emva kwa loko i ya ku puma, i ngi konze ku lendawo.

Eks. 3. 12.

8 Wa m misela isivumelwano sokusoka; njalo wa zala uIsaka; wa m soka ngosuku lwesishiyagalombili; uIsaka wa zala uJakobe; uJakobe wa zala okoko aba ishumi nambili.

Gen. 17. 9-12. & 21. 2-4. & 25. 26.

& 29. 31-35. & 30. 5-24. & 35. 18, 23-26.

9 Okoko ba be nomona, ba tenga ngoJosefa a ye Egipte: kodwa uTixo wa be naye.

Gen. 37. 4, 11, 28.

Izihl. 105. 17. # Gen. 39. 2, 21, 23.

10 Wa m kulula ku zo zonke izinhlupeko zake, wa m nika umusa nokuhlakanipa pambi kuka Faro, inkosi ya seEgipte; wa m enza umbusi pezu kwEgipte na pezu kwendhlu yonke yake.

Gen. 41. 37. & 42. 6.

11 Kwa fika indhlala ezweni lonke la seEgipte nela seKananani, nokublupeka okukulu; obaba betu a ba fumana uku-dhla.

Gen. 41. 54.

12 Kepa uJakobe se e zwile ku tiwa a kona amabele Egipte, wa qala wa tuma obaba betu.

Gen. 42. 1.

13 Kwa ti ngokwesibili uJosefa waziwa abafu wabo, kwa bikwa kuFaro abakubo baka Josefa.

Gen. 45. 4, 16.

14 uJosefa wa tuma wa biza uyise uJakobe nendhlu yonke ya kubo, abantu abamashumi a isikombisa nanhlanu.

Gen. 45. 9, 27. & 46. 27. Dut. 10. 22.

15 Wehla uJakobe wa ya Egipte, wa fa yena, nobaba betu.

Gen. 46. 5. & 49. 33. Eks. 1. 6.

16 Ba yiswa eSikemi, ba mbelwa etuneni ela tengwa uAbrahama ngemali kubantwana baka Emori, uyise ka Sikemi.

Eks. 13. 19.

Josh. 24. 32. Gen. 23. 16. & 33. 19.

17 Kepa se si sondele isikati sesitembiso, uTixo a si qinisa kuAbrahama ngokufunga, abantu banda, ba ba bani- ngi Egipte.

Gen. 15. 13.

Eks. 1. 7. Izihl. 105. 24.

18 Kwa za kwa vela enye inkosi e bi nga m azi uJosefa.

19 Yona ya pata ngobuqili isizwe sa kiti, ya ba hlupa obaba betu, ya ti ma ba lahle izingane zabo, zi nga pili.

Eks. 1. 22.

20 Nga lesosikati wa zalwa uMosi, e muhle kakulu, wondhliwa izinyanga ezintatu endhlini ka yise.

Heb. 11. 23.

21 Se e lahliwe, iudodakazi ka Faro ya m tola, ya mondhla a be umntwana wayo.

Eks. 2. 3-10.

22 uMosi wa fundiswa ukuhlakanipa konke kwaba sEgipite; wa ba nama-ndhla ngamazwi na ngemisebenzi.

Luk. 24. 19.

23 E se e neminyaka emashumi amane, kwa ngena enhliziyweni yake ukuba a hambela abafu wabo, abantwana baka Israeli.

Eks. 2. 11, 12.

24 Wa bona umuntu wa kubo e petwe kabi, wa m vikelu, wa m pindisela ohlutyiweyo, wa m bulala o wa sEgipite.

25 Wa e ti abafu wabo ba za kuqonda ukuti, uTixo u za kubakulula ngesandhla sake; kepa a ba qondanga.

26 Ngangomso wa fika kubo, se be lwa, wa ba lamula, e ti, Madoda, ni ngabazalwane, nonana ngani na?

Eks. 2. 13.

27 Kepa owa m ona owakelene naye, wa m kapa, e ti, Ubani o kwenze inkosi nomahluli pezu kwetu na?

Luk. 12. 14.

28 U funa ukubulala mina, njengaloku wa m bulala o wa sEgipite izolo na?

29 uMosi wa baleka nga lokokutyu, wa ya wa ba umfo ezweni la seMedia, lapo wa zala kona amadodana amabili.

Eks. 2. 15, 22. & 4. 20. & 18. 3, 4.

30 Se ku pele iminyaka emashumi amane ingelosi yeNkosi ya bonakala kuye ehlane la sentabeni ya seSinai, i selangabini lomlilo esihlahleni.

Eks. 3. 2-7.

31 uMosi e bona, wa mangala ngesibonakaliso; e sa sondela e bhekisisa, kwezakala kuye izwi leNkosi,

32 Li ti, Ngi nguTixo wa woyihlo bako, uTixo ka Abrahamu, noTixo ka Isaka, noTixo ka Jakobe. uMosi wa tutumela, wa e nge nasibindi sokubhekisisa.

33 Inkosi ya ti kuye, Kumula izicatulo zako ezinyaweni zako; ngokuba indawo o mi kuyo i umhlabati o ngewele.

Josh. 5. 15.

34 Ngi bonile nokubona ukuhlutywa kwabantu bami aba sEgipite; ngi zwile ukububula kwabo, ngelilile ukuze ngi ba kulule. A ku ze kaloku ngi za kukutuma, u ye Egipite.

35 uMosi lowo aba m alayo, be ti, Ubani o kwenze inkosi nomahluli? uTixo wa m tuma yena lo, a be inkosi nomkululi, ngesandhla sengelosi eya bonakala kuye esihlahleni. Imib. 20. 16.

36 Yena wa ba punisa, e zenza izimangaliso nezibonakaliso ezweni la sEgipite, na 'selwandhla olubomvu, na selhane iminyaka emashumi amane.

Eks. 7. & 8. & 9. & 10. & 11. & 14. & 12. 41.

& 33. 1. Izihl. 105. 27. # Eks. 14. 21, 27.

Eks. 16. 1, 35.

37 Uyena uMosi lowo, owa ti kubantwana baka Israeli, iNkosi uTixo wenu i ya kunivusela umprofeti kubazalwane benu o njengami; ni ya kumuzwa yena.

Dut. 18. 15. isa. 3. 22.

38 Lo u nguye owa e kona ebandhleni ehlane, nengelosi eya shumayela naye entabeni ya seSinai, kanye nobaba betu; owamkela amazwi okupila ukuze a si nike wona.

Eks. 19. 3, 17. Isai. 63. 9.

John. 1. 17. Rome. 3. 2.

39 Kepa obaba betu ba be nga vumi ukumlatela, ba m ala ba buyela Egipite ngezinhliziyu zabo.

40 Ba ti kuAroni, Senzele otixo, aba ya kuhamba pambi kwetu; ngokuba uMosi lo owa si pumisa ezweni la sEgipite, a sazi ukuba wehlelwe ini.

Eks. 32. 1.

41 Ba suka benza inkonyana nga leyomihla, ba nikela umnikelo emfanekisweni, ba tokoza ngemisebenzi yezandhla zabo.

Izihl. 106. 19.

42 Kona uTixo wa fulatela, wa ba shiya, ba konze ibandhla lezulu; njengokulotyweyo enwadini yabaprofeti ukuti, Nina ndhlu ka Israeli, be ni ngi nukele iminikelo nemihlatyelo ehlane iminyaka emashumi amane na?

Izihl. 81. 12. Hez. 20. 39. Dut. 4. 19.

Jer. 19. 13. # Amosi 5. 25-27.

43 Yebo, na tabata indokodo lika Moloko, nenkanyezi yotixo wenu uRemfani, imifanekiso ena yenza ukuba ni kuleke kuyo; ngi ya kunimukisa, ngi ni yise ngapambili kweBabulona.

44 Kwa ku kona kobaba betu ehlane idokodo lobufakazi njengokumisa kwake, e tyo kuMosi ukuba a lenze ngomfanekiso, a be u bonile.

Eks. 25. 40.

45 Obaba betu kanye noJoshua ba lamkela lona, ba ngena nalo, be sa fuya izwe lezizwe, eza xotywa uTixo ebusweni ba obaba betu, kwa za kwa ba emihleni ka Davida:

Josh. 3. 14. Izihl. 44. 2.

isa. 13. 19.

amehlo ake, a ka bona muntu: ba m bamba ngesandhla, ba m yisa eDamaseku.

9 Izinsuku za ba ntatu wa e nga boni, e nga dhli, e nga puzi luto.

10 Kwa ku kona eDamaseku umfundi, igama lake li nguAnania; iNkosi ya ti kuye esibonakalisweni, Anania. Wa ti, Ngi lapa, Nkosi. isa. 22. 12.

11 Inkosi ya ti kuye, Suka u ye endhileleni oku tiwa Ilungile, u buze endhlini ka Juda umuntu igama lake li nguSauli wa seTarsu: ngokuba nango, u ya kuleka, isa. 21. 39. & 22. 3.

12 U bonile esibonakalisweni umuntu, igama lake li nguAnania, e ngena e beka isandhla pezu kwake, ukuba a bone.

13 Kona uAnania wa pendula wa ti, Nkosi, ngi zwile kwabaningi nga lomuntu, okubi konke a kwenzile kwabangeweke bako ba seJerusema.

14 Na lapa u namandhla a wa piwa abapristi abakulu ukubopa bonke aba kuleka egameni lako. isa. 7. 59. & 22. 16. 1 Kor. 1. 2. 2 Tim. 2. 22.

15 Inkosi ya ti kuye, Hamba; ngokuba lo u isitya esiketiweyo imi sokupata igama lami pambi kwezizwe, namakosi, nabantwana baka Israeli.

isa. 13. 2. & 22. 21. & 26. 17. 1 Kor. 15. 10.

Gal. 1. 15. Ef. 3. 7. 1 Tim. 2. 7.

2 Tim. 1. 11. Rome 1. 1, 5. & 11. 13.

isa. 25. 22, 23. & 26. 1.

16 Ngokuba ngi ya kumbonisa loko a za kuhlutywa ngako ngegama lami.

isa. 20. 23. & 21. 11. 2 Kor. 11. 23.

17 Wa hamba, uAnania wa ngena endhlini; wa beka izandhla pezu kwake, wa ti, Sauli, mzalwane, iNkosi, uJesu, owa bonakala kuwe endhileleni oweza ngayo, i ngi tumile ukuba u buye u bone, u gwale uMoya o ingeweke.

isa. 22. 13. 1 isa. 2. 4.

18 Kwa wa masinyane emehlweni ake kwa nga ti izinkwetu; wa se e buya wa bona, wesuka wa bapatizwa.

19 Wa dhla ukudhla, wa qina. uSauli wa hlala izinsuku nabafundi ba se-Damaseku. isa. 26. 20.

20 Wa se e shumayela uKristu ezindhlini zokusonta, ukuti u iNdodana ka Tixo.

21 Ba mangala bonke abamzwayo, ba ti, A siye ini lo owa cita eJerusema abakuleka ku leligama na? weza lapa ngaloko, ukuba a ba yise be botyiwe kubapristi abakulu. isa. 8. 3. Gal. 1. 13, 23.

22 Kepa uSauli wanda kakulu emandhileni, wa bahlula abaJuda aba be hlezi eDamaseku, e qinisa ukuti, lo u nguye uKristu. isa. 18. 28.

23 Se ku dhluwe izinsuku eziningi, abaJuda ba ceba ukuba ba m bulale.

isa. 23. 12. & 25. 3. 2 Kor. 11. 26.

24 Kepa icebo labo laziwa uSauli. Ba linda amasango na semini na sebusuku, ukuze ba m bulale. 2 Kor. 11. 32.

25 Kona abafundi ba m tabata ebusuku, ba m ehliisa odongeni, be m pate ngeqoma. Josh. 2. 15. 1 Sam. 19. 12.

26 uSauli se e fikile eJerusema, wa linga ukuhlangana nabafundi: kepa ba m esaba bouke, be nga kolwa ukuba u ngumfundi. isa. 22. 17. Gal. 1. 17, 18.

27 Kodwa uBarnaba wa m tabata wa m yisa kubapostoli, wa ba landisa ukubona kwake iNkosi endhileleni, nokuti i kulume naye, nokushumayela kwake ngegama lika Jesu eDamaseku, e mi isibindi. isa. 4. 36.

28 Wa e kona nabo eJerusema e ngena e puma. Gal. 1. 18.

29 Wa shumayela ngegama leNkosi uJesu e mi isibindi: njalo wa kuluma e pikisana nanaGrek: ba linga ukumbulala. isa. 6. 1. & 11. 20.

30 Abazalwane se be kwazi loko, ba m ehliisela eKesaria, ba m tuma a ye eTarsu.

31 Njalo anabandhla a seJudia lonke, na seGalile, na seSamaria, a be e nokutula, akiwa, a hamba esaba iNkosi, e tokoziswa uMoya o ingeweke, andiswa.

isa. 8. 1.

32 Kwa ti uPetro, e dabula ezindaweni zonke, wehlela na kwabangeweke aba be hlezi eLida. isa. 8. 14.

33 Wa fumana kona umuntu, igama lake li nguEnea, owa be e lele embedeni iminyaka eshiyagalombili, e kwelwe ubuparalio.

34 uPetro wa ti kuye, Enea uJesu Kristu u ya ku pilisa; suka u zandhla-lele umbede wako. Wa se e suka.

isa. 3. 6, 16. & 4. 10.

35 Ba m bona bonke aba be hlezi eLida na seSarone, ba pendukela eNkosi. 1 Kron. 5. 16. isa. 11. 21.

36 Kwa ku kona eJopa umfundikazi, igama lake li nguTibita, oku tiwa ngokukumshwa uDorka: lowo wa vama imisebenzi eKingileyo, nomusa a wehlayo. 1 Tim. 2. 10. Titusi 3. 8.

37 Kwa ti nga lezozinsuku wa gula, wa fa; ba m geza, ba m beka endhlini e puzulu. isa. 1. 13.



38 Loku iLida la li seduze neJopa, abafundi se be zwile ukuti uPetro u kona, ba tuma kuye abantu ababili, be mncenga ukuba a nga libali ukuza kubona.

39 Wesuka uPetro, wa hamba nabo. Se be fikile, ba m yisa endhlini e pezulu: bema naye abafelokazi bonke, be kala, ba m bonisa izambato nezingubo a be zenzile uDorka, e se nabo.

40 Kepa uPetro wa ba puniselwa bonke ngapandhle, wa guqa ngamadolo, wa kuleka: wa pendukela esidunjini, wa ti, Tabita, vuka. Wa vula amehlo ake, e bona uPetro, wesuka wa hlala.

Mat. 9. 25. Mark 5. 41, 42. isa. 7. 60.

41 Wa m bamba ngesandhla, wa m lulamisa: wa biza abangewele nabafelokazi, wa m beka pambi kwabo e se pilile.

42 Kwezwakala loko eJopa lonke: abaningi ba kolwa iNkosi.

John. 11. 45. & 12. 11.

43 Wa hlala eJopa izinsuku eziningi, kuSimone unkululi.

isa. 10. 6.

### ISAHLUKO 10.

**K**WA ku kona eKesaria umuntu, igama lake uKornelio, e induna yekulu yebuto okutiwa ela seTali,

2 E ngumuntu okolekayo, nowesaba uTixo, yena nayo yonke indhlu yake, waabela abantu kakulu, wa kuleka kuTixo njalanjalo.

isa. 22. 12.

3 Ngehora ku nga ti lesishiyagalolunye lemini, wa i bonisisa ngesiboniso ingelosi ka Tixo i ngena kuye, i ti kuye, Kornelio.

isa. 11. 13.

4 Wa i bheka, wesaba, wa ti, Ku ini, Nkosi? Ya ti kuye, Ukukuleka kwako, nokwabela kwako, kwenyukile ku isikumbuzo pambi kuka Tixo.

5 A ku tume abantu, ba ye eJopa, u bize uSimone, o tiwa uPetro:

6 U ngenisile kuSimone umkubli, indhlu yake i nga selwandhle. Lowo u ya kukutyela o nga kwenzayo.

isa. 9. 43. isa. 11. 14.

7 Se i mukile ingelosi eya shumayela kuKornelio, wa biza izinceku zake ezimbili, nebuto elikolekayo kwababambelele kuye;

8 Se e ba tyelile konke loko, wa ba tuma eJopa.

9 Ngangomso, be sa hamba, be sonde-la emzini, uPetro wenyukela pezuwendhlu, ukuba a kuleke, ku nga ba ihora lesitupa:

isa. 11. 5-14.

10 Wa lamba kakulu, wa tanda uku-

dhla: kodwa be sa lungisa, wehlelwa isiyazi,

11 Wa bona izulu li vulekile, nesitya sehlela kuye, kwa nga ti ingubo enkulu, i botyiwe ngamacopo amane, yehliselwa emhlabeni:

isa. 7. 56.

12 Kwa ku kona pakati kwayo izilwane zonke zomhlaba ezi nezinyawo ezine, nezilo za sendhle, nezihluleka, nezinyoni zezulu.

13 Kwa fika kuye izwi li ti, suka, Petro, u hlabe, u dhle.

14 uPetro wa ti, Ai, Nkosi; ngokuba a ngi zanga ngi dhle into embi nengadhliwayo.

Levi 11. 2-47. & 20. 25.

Dut. 14. 4-20. Hez. 4. 14.

15 Izwi la buya la fika kuye ngokwesibili, ti ti, Loko a ku hlanzileyo uTixo, u nga tyo wena ukuti kubi.

Mat. 15. 11.

Rome 14. 14, 17, 20. 1 Kor. 10. 25.

1 Tim. 4. 4. Titusi 1. 15.

16 Loko kwa pindwa katatu: isitya sa buya senyuselwa ezulwini.

17 uPetro e sa cabanga ukuba ku tini lesosiboniso a be si bonile, bheka, abantu aba be tuuyiwe uKornelio, se be buzile indhlu ka Simone, bemi esangweni.

18 Ba biza, ba buza ukuba ku ngenisile kona uSimone, o tiwa uPetro.

• 19 uPetro, e sa zindhla isiboniso, uMoya wa ti kuye, Nampa abantu abatatu, be ku funa.

20 A ke u sake, wehle, u hambe nabo, u nga ngabazi luto, loku ngi ba tumile mina.

isa. 15. 7-9.

21 Kona uPetro wehlela ku labobantu abe be tunyiwe uKornelio, ba ye kuye, wa ti, Bhekani, imina eni m funayo: ku indabani eni ze ngayo na?

22 Ba ti, uKornelio, induna yekulu, umuntu olungileyo nomesaba uTixo, o dunyiswa isizwe sonke sabaJuda, wa yalwa ingelosi engewele, ukuba a ku bize u ze endhlini yake ezwe amazwi kuwe.

23 Kona wa ba ngenisa endhlini, wa bamkela. Ngangomso uPetro wemuka nabo, ba m pekekezela abanye abazalwane ba seJopa.

24 Ngangomso ba ngena eKesaria, uKornelio wa e sa ba liuda, se e bilize aba kubo nezihlobo zake ezikulu.

25 Kwa ti, uPetro e sa ngena, uKornelio wa m hlangebeza, wa wa ezinyaweni zake, wa kuleka.

26 Kodwa uPetro wa m vusa, e ti, Sukume: nami ngi ngumuntu nje.

isa. 14. 15. Isam. 19. 10. & 22. 9.

27 E sa kuluma naye, wa ngena, wa fumana abaningi aba be butene kona.

28 Wa ti kubo, Ni yazi ukuba kwalekile umuntu o ngumJuda e hlangane nowezizwe, eze kuye; kepa uTixo u ngi bonisile ukuba ngi nga tyo kumuntu ukuti, mubi nongahlanzekile. John. 4. 9. & 18. 28. isa. 11. 3. Gal. 2. 12, 14.

29 Njalo lapa ngi biziwe, ngeza, ngi nga libalanga; ngi ya buza, ni ngi bizeleli na?

30 Wa ti uKornelio, Se ku izinsuku ezine iloku nga ngi zila ukudhla kwa za kwa ba lelibora; ngehora lesishiyagalolunye nga kuleka endhlini yami, kwe-ma umuntu pambi kwami, embete ingubo ekazimulayo, isa. 1. 10. Mat. 28. 3.

31 Wa ti, Kornelio, ku zwakele ukukuleka kwako, umusa wako u kunjulwe pambi kuka Tixo.

32 A ke u tume eJopa, u bize uSimone, o tiwa u Petro; u ngenisile endhlini ka Simone umkuhli, ngaselwandhle: se e fikile wo ku shumayeza.

33 Njalo nga tyetya nga tuma kuwe: wenze kahle wena ngokufika. Kaloku se si kona sonke pambi kuka Tixo, ukuba si zwe konke o ku yalelwe uTixo.

34 Kona uPetro wa vula umlomo wake, wa ti, Nembala, ngi ya bona ukuba uTixo ka naki isimo somuntu:

Dut. 10. 17. 2 Kron. 19. 7. Jobe 34. 19.

35 Kodwa ezizweni zonke omesabayo, nokwenza ukulunga, u yamkelwa uye. isa. 15. 9. Rome 2. 13, 27. & 3. 22, 29. & 10. 12, 13. 1 Kor. 12. 13. Gal. 3. 28.

Ef. 2. 13, 18. & 3. 6.

36 Izwi uTixo a li tumela kubantwana baka Israeli, e shumayela ukutula ngo-Jesu Kristu: (u iNkosi yabo bonke yena.) Kol. 1. 20. Mat. 28. 18. Rom. 10. 12.

Isam. 17. 14. & 19. 16.

37 Ni ya lazi lelozwi eli menyezelve eJudia lonke; la qala eGalile, emva kokubapatizwa a ku shumayelayo uJohane;

Luk. 4. 14.

38 Lokuti uTixo wa m geoba uJesu wa seNazareta ngoMoya o ingewele na ngumandhla; owa hamba njalo enza umusa, e pilisa bonke aba be kwelwe uSatani; ngokuba uTixo wa be naye.

isa. 2. 22. & 4. 27 John. 3. 2.

39 Nati si ngofakazi bako konke a kwenzayo ezweni labaJuda na seJerusalem; ba m bulala, ba m panyeka emtini:

isa. 2. 32. & 5. 30.

40 Lowo uTixo wa m vusa ngosuku lwe-sitatu, wa m bonakalisa obala; isa. 2. 24.

41 Ka m bonakalisanga kubantu bonke, kodwa kokafazi aba miselwa uTixo ngapambili, itina esa dhla, sa puza naye emva kokuvuka kwake kwabafileyo. John. 14. 17, 22. isa. 13. 31.

Luk. 24. 30, 43. John. 21. 13.

42 Wa si yala ukuba si shumayela kubantu, si qinise ukuti uyena o miselwe uTixo, a be umahluli wabapilayo nabafileyo. Mat. 28. 19, 20. isa. 1. 8.

John. 5. 22, 27. isa. 17. 31. Rome 14. 9.

2 Tim. 4. 1. 1 Pet. 4. 5.

43 Abaprofeti bonke ba qinisa ngaye ukuti, bonke abakolwa uye ba ya kutelelwa izono ngegama lake. Isai. 53. 11.

Jer. 31. 34: Dan. 9. 24. Mika 7. 18.

isa. 26. 22. # isa. 15. 9. & 26. 18. Rome 10. 11. Gal. 3. 22.

44 uPetro e sa shumayela lezizindaba, ba se behlelwa uMoya o ingewele bonke aba li zwayo izwi. isa. 11. 15.

45 Abokusoka abakolwayo, aba beze no-Petro, ba mangala loku isipo sika Moya o ingewele si telwe na kwabezizwe.

isa. 11. 18.

46 Ngokuba be bezwa be shumayela ngezilimi, be dumisa uTixo. Kona uPetro wa pendula, wa ti,

47 Amanzi a nqatywa umuntu, ukuba ba nga bapatizwa laba aba piwe uMoya o ingewele njengati na?

isa. 11. 17. & 15. 8, 9. Rome 10. 12.

48 Wa ba yala ukuba ba bapatizwe ngegama leNkosi. Kona ba m ncenga ukuba a ke a hlale izinsukwana.

1 Kor. 1. 17. isa. 2. 38. & 8. 16.

## ISAHLUKO 11.

**A**BAPOSTOLI nabazalwane aba be seJudia bezwa ku tiwa izizwe zi lamkele izwi lika Tixo.

2 uPetro se e kupukele eJerusalem, abokusoka ba pikisana naye,

isa. 10. 45. Gal. 2. 12.

3 Be ti, Wa ngena kubantu aba nga sokanga, wa dhla nabo. isa. 10. 28.

4 Kepa uPetro wa qala wa ba tyelisisa ngokulandisa, e ti,

Luk. 1. 3.

5 Be ngi semzini wa seJopa ngi kuleka: ngehlelwa isiyezi, nga bona isibonakaliso, kwehla isitya, ku nga ti ingubo enkulu, yehliswa ezulwini ngamacopo amane, ya fika kimi:

isa. 10. 9-32.

6 Nga i bheka, nga qonda, nga bona izilwane zomhlaba ezi nezinyawo ezine, nezilo za sendhle, nezihululeka, nezi-nyoni zezulu.

7 Ngezwa izwi li ti kimi, Suka, Petro, u hlabe, u dhle.

8 Nga ti, Ai, Nkosi, ngokuba a ku zanga ku ngene emlonyeni wami into embi nengadhliwayo.

9 Kwa pinda kabili izwi li vela ezulwini, la ngi pendula ngokuti, Loko a ku hlanzile uTixo, u nga tyo wena ukuti kubi.

10 Loko kwa pindwa katatu: kwa buya konke kwa kutyulelwa ezulwini.

11 Bheka, ku se ku fike endhlini, enga ngi kuyo, abantu abatatu aba tonyelwe kimi, be vela eKesaria.

12 Kona uMoya wa tyo kimi ukuba ngi hambe nabo, ngi nga ngabazi luto. Ba ngi pelekezela lababazalwane aba isitupa, sa ya sa ngena endhlini ya lomuntu: isa. 10. 23.

13 Wa si tyela ukubona kwake ingelosi endhlini yake, i mi i ti kuye, Tuma abantu, ba ye eJopa, u bize uSimone, o tiwa uPetro.

14 U ya kukutyela amazwi, o ya kusindiswa ngawo, wena nayo yonke indhlu yako.

15 Ngi sa qala ukushumayela, behlelwa uMoya o ingwele, njengati sehlelwa uyena kuqala. isa. 2. 4.

16 Kona nga kumbula izwi leNkosi lokuti, uJobane wa bapatiza ngamanzi, kodwa nina ni ya kubapatizwa ngoMoya o ingwele. Mat. 3. 11.

isa. 1. 5. & 19. 4.

17 Njalo uma uTixo wa ba pa isipo, njengaloku u si pe tina aba kolwa iNkosi uJesu Kristu, poke, ngi ngubani mina, ukuba ngi m pikise uTixo na?

isa. 10. 47. & 15. 8, 9.

18 Se be zwa loku ba tula, ba bonga uTixo be ti, Nembala uTixo u nikile abezizwe ukupenduka, ba pile.

19 Njalo labo aba be hlakazekile ngokuhlutywa okwesuka ngoStefano, ba hamba ba ya eFenike, na seKupro, na seAntioki, ba shumayela izwi kubaJuda bodwa, be nga shumayeli kwabanye. isa. 8. 1.

20 Abanye kubo ba be ngabantu ba seKupro na ba seKurene; se be fikile eAntioki, ba kuluma kumaGrekhi, be shumayela ivangeli leNkosi uJesu.

isa. 6. 1. & 9. 29.

21 Isandhla seNkosi sa si nabo; ba kolwa abaningi, ba pendukela eNkosini. Luk. 1. 66. isa. 9. 35.

22 Kwezwakala indaba yaloku ezindhlebeni zebandhla la seJerusalema:

kwa tunywa uBarnaba, ukuba a ye Antioki. isa. 9. 27.

23 Se e fikile, wa bona umusa ka Tixo, wa ba yala bonke ukuba ba namatele eNkosini ngokuqina kwehhliziyo.

isa. 13. 43. & 14. 22.

24 Wa e ngumuntu olungileyo, e gwele uMoya o ingwele nokukolwa: kwe-nezezelwa abantu abaningi eNkosini.

isa. 6. 5.

25 Kona uBarnaba wemuka, wa ya eTarsu, e ya kufuna uSauli. isa. 9. 30.

26 Se e m fumene, wa m yisa eAntioki. Ba be butana nebandhla wa za wa pelela umnyaka, ba fundisa abantu abaningi: kwa qala eAntioki abafundi ba tiwa abaNkristu.

27 Nga lezozinsuku kwa fika abaprofeti eAntioki, be vela eJerusalema.

isa. 13. 1. & 15. 32. & 21. 9. 1 Kor. 12. 23.

Ef. 4. 11.

28 Kwesuka omunye kubo, igama lake uAgabu, wazisa ngoMoya ukuti, ku za kuba kona indhlala enkulu ezweni lonke; ya fika emihleni ka Klaudio Kesari. isa. 21. 10.

29 Abafundi ba zimisela, ku be ilowo ngokwemfuyo yake ukuba ba tume, ba ba size abazalwane aba hlezi eJudia.

30 Benza njalo, ba tumela emalungeni ngezandhla zika Barnaba noSauli.

isa. 12. 25.

## ISAHLUKO 12.

**N**GA lesosikati uHerodi inkosi welula izandhla, ukuba a hlupe abanye ba sebandhleni.

2 Wa bulala ngesinkenba uJakobe umfo wabo ka Johane.

Mat. 4. 21. & 20. 23.

3 Se e bone ukuba kuhle kubaJuda, wa buya wa tabata noPetro. (Kwa ku izinsuku zezinkwa ezi nge namvubelo). Eks. 12. 14, 15. & 23. 15.

4 Wa m bamba, wa m faka etilongweni, wa m nikela kumaviyo amane amabuto amane, ukuba a m linde, e ti, u ya kumkupulela ebantwini emva kwepasika.

5 Njalo uPetro wa geinwa etilongweni: kepa wa kulekelwa nokukulekela ibandhla kuTixo.

2 Kor. 1. 11. Ef. 6. 18.

6 uHerodi e se za kumpunesa, nga lobobusku uPetro wa e lele pakati kwamabuto amabili, e botyiwe ngamaketa-nga amabili; abalindi be sennyango ba geina itilongo.

7 Kwa fika ingelosi yeNkosi, yema kona, kwa kanya ukukanya endhlini; ya m bambata uPetro ohlangotini, ya m yusa; i ti, suka masinyane. Kwa se ku wa amaketanga ake ezandhleni.

isa. 5. 19.

8 Ingelosi ya ti kuye, Binca, u fake izicatulo zako: wenza njalo. Ya ti kuye, Yembata ingubo yako, u ngi landele.

9 Wa puma wa i landela; e ngazi ukuba ku iqiniso okwenziwa ingelosi: kodwa wa ti wa bona isibonakaliso.

Izihl. 126. 1. isa. 10. 3. 17. & 11. 5.

10 Ba dhlula abalindi bokuqala nabesibili, ba fika esangweni lensimbi eli bheka emzini, la zivulekela; ba puma, ba dhlula indhlela ya banye; kona ingelosi yesuka ya m shiya.

isa. 16. 26.

11 uPetro, se e qondile, wa ti, Kaloku se ngi yazi, ku qinisile, iNkosi i tumile ingelosi yayo, ya ngi kulula esandhleni sika Herodi na sekubhekeni konke kwabantu baka Juda.

Jobe 5. 19.

Izihl. 33. 18, 19. & 34. 22. & 41. 2. & 97. 10.

2 Kor. 1. 10.

12 Se e bonisise, wa ya endhlini ka Maria, unina ka Johane, o tiwa uMarko, lapo ba be butene abaningi, be kuleka.

isa. 4. 23. isa. 15. 37.

13 uPetro e sa gqongqota esivalweni sesango, kweza kulalela intombazana, igama layo li nguRoda.

14 Ya lazi izwi lika Petro, kepa ngokujabula a i vulanga isango; ya gijimela endhlini, ya bika, ya ti, uPetro u se mi esangweni.

15 Ba ti kuyo, U ya hlanya. Ya qinisisa, ya ti, ku njalo. Ba ti, Ku ingelosi yake.

Mat. 18. 10.

16 Kodwa uPetro wa gqongqota njalo: ba vula, ba m bona, ba mangala.

17 Wa ba qweba ngesandhla ukuba ba tute, wa ba landisa ukumkipa kweNkosi etilongweni. Wa ti, Bikelani, uJakobe nabazalwane loku. Wemuka wa ya kwenye indawo.

isa. 13. 16. & 19. 33.

& 21. 40.

18 Se ku sile, kwa ba kona uvalo olukulu emabutweni, lokuba wehlelwe ini uPetro.

19 uHerodi, se e m funile, e nga m fumananga, wa buzisisa abalindi, wa yala ukuba ba bulawe. Wehla eJudia, wa ya eKesaria, wa hlala kona.

20 uHerodi wa tukutela naba seTire naba seSidone: kepa beza kuye benhli-ziyonye; se be kolisile uBlastu induna

yendhlu yenkosi, ba kuleka ukutula, ngokuba izwe la kubo londhliwa ngezwe lenkosi. 1 Ama. 5. 9, 11. Hez. 27. 17.

21 Ngosuku olumisiweyo, uHerodi wembata ingubo yobukosi, wa shumayela kubo.

22 Abantu ba hlokoma; be ti, izwi lotixo, a silo elomuntu.

23 Kwa ti masinyane ingelosi yeNkosi ya m tyaya, ngokuba ka m dumisanga uTixo; wa dhlwa izimpetu, wa fa.

1 Sam. 25. 38. 2 Sam. 24. 17. Izihl. 115. 1.

24 Kepa izwi lika Tixo la kula, landa.

isa. 6. 7. & 19. 20. & 11. 29.

25 uBarnaba noSauli ba buya be puma eJerusalem, se be qedile ukukonza kwabo, bemuka noJohane o tiwa uMarko.

isa 13. 5, 13. & 15. 37.

### ISAHLUKO 13.

**K**WA ku kona ebandhleni la seAntiochi abaprofeti nabafundisi, oku ku ti, oBarnaba, noSimeone o tiwa uNigeri, noLukio wa seKurene, noManaua owa kula kanye noHerodi inkosi, noSauli.

isa. 11. 22-27. & 14. 26. & 15. 35. Rome 16. 21.

2 Be sa konza iNkosi, be zila ukudhla, wa ti uMoya o ingewele, Ngahlukani-seleni uBarnaba noSauli emsebenzini engi ba bizele wona. Inib. 8. 14. isa. 9. 15.

Mat. 9. 38. isa. 14. 26. Rome 10. 15.

Ef. 3. 7, 8. 1 Tim. 2. 7. 2 Tim. 1. 11. Heb. 5. 4.

3 Kona ba zila, ba kuleka, ba beka iza-ndhla pezu kwabo, ba ba mukisa.

isa. 6. 6.

4 Njalo se be tunyiwe uMoya o ingewe-le, behlela eSelukia; besuka kona, ba hamba ngomkumbi ba ya eKupro.

isa. 4. 36.

5 Se be fikile eSalami, ba shumayela izwi lika Tixo ezindhlini zokusonta za-baJuda. Ba be noJohane e isikonzi nabo.

isa. 42. 25.

6 Ba dabula esiqingini ba za ba fika ePafu; ba fumana isanusu, unprofeti wamanga, umJuda, igama lake li ngu-Barjesu.

isa. 8. 9.

7 Wa e kona kumbusi wezwe, uSergio Paule, umuntu oqondileyo; wa biza uBarnaba noSauli, e funa ukuzwa izwi lika Tixo.

8 Kodwa uEluma isanusu (li njalo igama lake ngokukumsha), wa ba pikisa, e funa ukupambukisa umbusi ekukulweni.

Eks. 7. 11. 2 Tim. 3. 8.

9 Kona uSauli, o nguPaule, e gwele uMoya o ingewele wa m jamela,

isa. 4. 8.

10 Wa ti, Wena o gwele ukukohlisa konke nobuqili bonke, umntwana ka Satani, isita kuko ukulunga konke, a u yi kuyeka ukupambukisa izindhlela ezilungileyo zeNkosi na? Mat. 13. 38.

11 Bheka, isandhla seNkosi si pezu kwako, u ya kuba impumpute, u nga li boni ilanga ngesikati. Kwa se ku mehlela masinyane ikungu nobumnyama; wa hambe e funa abokumhola ngesandhla. 1 Sam. 5. 6.

12 Kona umbusi, e bone okwenzekile, wa kolwa, e mangala ngokufundisa kweNkosi.

13 uPaule naba be naye bemuka ePafo, beza ePerga la sePamfilia uJohane e muka kubo, wa buyela eJerusalema. isa. 15. 38.

14 Bemuka ePerga, beza eAntioki la sePisidia, ba ngena endhlini yokusonta, ngosuku lwesabata, ba hlala.

isa. 16. 13. & 17. 2. & 18. 4.

15 Se ku fundwe umteto nabaprofeti, izinduna zendhlu yokusonta, za tumela kubo, za ti, Madoda, bazalwane, uma ni nezwi lokuyala abantu, shumayelani.

Luk. 4. 16. Heb. 13. 22.

16 Wesuka uPaule, wa qweba ngesandhla, wa ti, Madoda a kwa Israeli, nani nina bamesaba uTixo, lalelani.

isa. 12. 17. & 10. 35.

17 uTixo wa lababantu ba kwa Israeli wa keta obaba betu, wa ba pakamisa abantu be ngabafo ezweni la sEgipite, wa ba kipa kulo ngengalo epakamileyo.

Dut. 7. 6, 7. Eks. 1. 1. Izihl. 105. 23, 24.

isa. 7. 17. Eks. 13. 14, 16.

18 Wa bondhla ehlane, kwa nga ti iminyaka emashumi amane. Eks. 16. 35. Imib. 14. 33, 34. Izihl. 95. 9, 10. isa. 7. 36.

19 Se e citile izizwe ezi isikombisa ezweni la seKanani, wa bahlukanisela izwe labo ngenkato. Dut. 7. 1.

Josh. 14. 1, 2. Izihl. 78. 55.

20 Ngasemva kwa loko, wemisa abahluli kwa nga ti iminyaka ya ba makulu amane namashumi a isihlanu, kwa za kwa ba uSamueli umprofeti.

Abahl. 2. 16. 1 Sam. 3. 20.

21 Kona besuka ba cela inkosi: uTixo wa ba nika uSauli indodana ka Kishi, umuntu wesizwe sika Benjamini, iminyaka ya ba mashumi amane.

1 Sam. 8. 5. & 10. 1.

22 Se e m susile yena, wa ba vusela uDavida, a be inkosi: wa qinisa ngaye, wa ti, Ngi m fumene uDavida ka Jese,

umuntu o ngowenhliziyo yami, o ya kwenza konke engi ku tandayo.

1 Sam. 15. 23, 26, 28. & 16. 1, 13.

2 Sam. 2. 4. & 5. 3. Hos. 13. 11. Izihl. 89. 20.

1 Sam. 13. 14. isa. 7. 46.

23 Enzalweni ya lomuntu uTixo wa vezela uIsraeli umsindisi, uJesu, nje- ngesitembiso sake; Luk. 1. 32, 69.

24 uJohane e se shumayeke kubantu bonke baka Israeli ukubapatiza kokupenduka, e nga ka fiki yena. Mat. 3. 1.

25 Wa ti uJohane, e sa qeda ukuhamba kwake, Ni tiui, ngi ngubani na? A ngi siye; kodwa ku yeza emva kwami yena, ozicatulo zezinyawo zake a ngi fanele ngi zi tukulule. Mat. 3. 11.

26 Madoda, bazalwane, bantwana, bohlanga luka Abrahamama, nabo bonke pakati kwenu, aba m esaba uTixo, izwi la lokukusindisa li tunyelwa kiui.

isa. 3. 26.

27 Ngi ti aba hlezi eJerusalema, nama- kosi abo, be nga m azi yena, namazwi abaprofeti a fundwa ngamasabata onke, ba wa gwalisa ngokumlahla.

Luk. 23. 34. isa. 3. 17. 1 Kor. 2. 8.

Luk. 24. 20, 44. isa. 26. 22.

28 Noma be nga fumananga icala lokuba a fe, ba m nxusa uPilatu ukuba a bulawe. Mat. 27. 22. Mark 15. 13, 14.

Luk. 23. 21, 22. isa. 3. 13, 14.

29 Se be pelalise konke okwa ku lotyiwe ngaye, ba m ehlista emtini, ba m faka etuneni.

Luk. 18. 31. & 24. 44.

John. 19. 28, 30, 36, 37. Mat. 27. 59.

Mark 15. 46. Luk. 23. 53. John. 19. 33.

30 Kepa uTixo wa m vusa kwabafileyo:

Mat. 23. 6. isa. 2. 24.

31 Wa bonwa izinsuku eziningi ilabo aba kupuka naye eGalile, be ya eJerusalema, aba ofakazi bake kubantu.

1 Kor. 15. 5-7. isa. 1. 3, 8, 11. & 2. 32.

32 Njalo tina si ya ni shumayeza izindaba ezilungileyo zokuti, isitembiso aba tenjiswa ngaso obaba betu;

Gen. 12. 3. & 22. 18. isa. 26. 6. Rome 4. 13.

Gal. 3. 16.

33 Lesi uTixo u si gwalisile kitina abantwana babo, ngokumvusa uJesu; njengokulotyweyo esihlabelelweni sesibili ukuti; Wena u indodana yami, namhla ngi ku zele.

Izihl. 2. 7.

Heb. 1. 5. & 5. 5.

34 Na ngokumvusa kwake kwabafileyo, a nga be e sa buya a fe, wa tyo ukuti, Ngo ni nika inhlambula eqinisileyo ka Davida.

Isai. 55. 3.

35 Njalo u ti kwesinye isihlabelelo, A

u yi kuvuma o ingewele wako a bone ukubola. Izihl. 16. 10.

36 uDavida, e se si konzile isizukulwane sake ngentando ka Tixo, wa lala ubutongo, wa bekwaa koyise bake, wa bona ukubola: 1 Ama. 2. 10. isa. 2. 29.

37 Kepa yena owa vuswa uTixo ka bonanga ukubola.

38 A ke nazi, madoda, bazalwane, ukuba ku shunayelwa kini ukutetelelwa izono nga lowo: Jer. 31. 34.

Dan. 9. 24. Luk. 24. 47. 1 John. 2. 12.

39 Nokuba bonke abakolwayo ba tetelelwa konke e be ni nga yi kutetelelwa kona ngomteto ka Mosi.

Isai. 53. 11. Rome 3. 28. & 8. 3.

40 Qondanike, ni ngehlelwa iloku okwa shunayelwa umprofeti ukuti,

Isai. 29. 14. Hab. 1. 5.

41 Bhekani, nina badelayo, ni mangale, ni nyamalale; ngokuba ngi sebenza umsebenzi emihleni yentu, umsebenzi, eni nga yi kukolwa iwo, noma ni u tyelwa umuntu.

42 Se be pumile endhlini yokusonta, ba neenga ukuba lamazwi a shunyayelwe kubo ngesabata elizayo.

43 Ibandhila se li hlakazekile; abaningi kubaJuda nabakonzayo bezizwe ba landela uPaule noBarnaba; labo ba kuluma nabo, ba ba yala ukuba ba hlale emuseni ka Tixo. isa. 11. 23. & 14. 22.

Titusi 2. 11. Heb. 12. 15. 1 Pet. 5. 12.

44 Njalo ngesabata elilandelayo kwa cityu kwa butana umuzi wonke ukuzwa izwi lika Tixo.

45 Kodwa abaJuda se be bonile izixuku, ba gewala umona, ba pika loko okwa shunayelwa uPaule, be pika, be tuka.

isa. 18. 6. 1 Pet. 4. 4. Jude 10.

46 Kona uPaule noBarnaba ba shumayela, be mi isibindi, ba ti, Kwa ku dingeka ukuba izwi lika Tixo li shunayelwe kinina kuqala; kepa loku ni li ngaba, ni ti a ni fanele ukupila okupakade, bhekani, se si pendukele kwabezizwe. isa. 3. 26.

Dut. 32. 21. Mat. 21. 43. isa. 28. 28.

47 Ngokuba iNkosi i si yale njalo, i ti, Ngi ku bekile, u be ukukanya kwabezizwe, ukuba u be owokusindisa ku ze ku be semikaulweni yomhlaba.

Isai. 42. 6. & 49. 6. Luk. 2. 32.

48 Ba ti abezizwe se be zwile loku, ba jabula, ba li bonga izwi leNkosi: ba kolwa labo aba be miselwe ukupila okupakade. isa. 2. 47.

49 Izwi leNkosi la menyezela kulo lonke izwe la kona.

50 Kepa abaJuda ba quba isifazana esikonzayo esidumileyo, nezikulu zomuzi, ba vusela uPaule noBarnaba utyaba, ba ba xotywa eziveni labo.

2 Tim. 3. 11.

51 Kodwa ba ba tuntutela utuli lwezi-nyawo zabo, ba ya eIkonio.

Mat. 10. 14. Mark 6. 11. isa. 18. 6.

52 Abafundi ba gewala ukutokoza noMoya o ingewele.

Mat. 5. 12. John. 16. 22.

## ISAHLUKO 14.

**K**WA ti eIkonio ba ngena bobabili endhlini yokusonta yabaJuda, ba shumayela, kwa za kwa kolwa isixuku esikulu nesabaJuda nesamaGrecki.

2 Kodwa abaJuda aba nga kolwayo ba vusa abezizwe, ba cunula izinhliziyozabo ba za ba xabana nabazalwane.

3 Ngako ba hlala isikati eside, ba shumayela, bemi isibindi ngeNkosi, eya qinisa izwi lomusa wayo, ya ba pa amandhla okwenza izibonakaliso nezimangaliso. Mark 16. 20.

4 Kepa abantu bomuzi ba hlukana; abanye bema nabaJuda, abanye bema nabapostoli. isa. 13. 3.

5 Se be vukelwe abezizwe nabaJuda kanye namakosi abo ukubahlupa nokubakanda ngamatye, 2 Tim. 3. 11.

6 Be kwazi loko, ba balekela eListra na seDerbe, imizi ya seLikaonia, na sezweni la kona: Mat. 10. 23.

7 Ba li shumayela kona ivangeli.

8 Kwa ku kona eListra umuntu e nga qinile ezinyaweni zake, e isityotya iloku wa zalwa unina, e nga zanga ahambe.

isa. 3. 2.

9 Yena wa mu zwa uPaule e shumayela, owa m bhekisisa, wa m bona e kolwa ukuti a nga piliswa,

10 Wa ti ngezwi elikulu, Suka u me ngezinyawo zaku. Wa xuma wa hamba.

11 Abantu se be bonile loko a be kwezizwe uPaule, ba memeza, be kulumisa okwanaLikaonia, ba ti, Otixo se behlele kitina, be fana nabantu. isa. 8. 10. & 28. 6.

12 Ba qamba uBarnaba ba ti uJupitere, uPaule ba ti uMerkuri, ngokuba e dhlula ngokushumayela.

13 Kona umpristi ka Jupitere, owa e ngapambi komuzi, wa leta izinkabi ezivunulisiweyo emasangweni, e tanda ukubahlabisa kanye nabantu. Dan. 2. 46.

14 Kepa abapostoli uBarnaba noPaule,

be ku zwile loko, ba hxebula izingubo zabo, ba gijimela ebantwini, be memeza, Mat. 26. 65.

15 Be ti, Madoda, nenzelani loku na? Nati si ngabantu njengani, si ni shumayeza ivangeli ukuba ni yeke lezizinto ezi ize, ni pendukele kuTixo opilileyo, owenza izulu, nomhlaba, nolwandhle, nazo zonke izinto ezi kuzo: isa. 10. 26.

Jak. 5. 17. # 1 Sam. 12. 21. 1 Kor. 8. 4.  
Gen. 1. 1. Izihl. 146. 6. Isam. 14. 7.

16 Ngezikati ezidhlulileyo wa yeka izizwe zonke, zi hambe ngezindhlela zazo. Izihl. 81. 12. isa. 17. 30. 1 Pet. 4. 3.

17 Kepa ka yekanga ukuziqiniseka yena, enza okulungileyo, wa si nika imvula ya sezulwini, nezikati zokutela ukudhla, wa kolisa izinhliziyi zetu ngokudhla na ngokujabula. isa. 17. 27.

Rome 1. 20. # Levi 26. 4. Jobe 5. 10.  
Izihl. 68. 9. Mat. 5. 45.

18 Ngokutyo loku ba ba tulisa abantu kalukuni, ukuba ba nga ba hlabisi.

19 Kwa fika abaJuda, be vela eAntioki na seKonja, ba ncenga abantu, ba m kanda uPaule, ba m hudulela ngapandhle, be ti u file. isa. 13. 45.

2 Kor. 11. 25. 2 Tim. 3. 11.

20 Kodwa abafundi se be m bunga-nyele, wesuka wa ngena emzini: ngangomso wemuka noBarnaba ba ya eDerbe.

21 Se be shumayela ivangeli ku lomuzi, be fundisile abaningi, ba buyela eListra, na seKonjo, na seAntioko, Mat. 28. 19.

22 Ba qinisa abafundi, ba ba yala ukuba beme ekukolweni, be ti, ngezinhlupeko eziningi nga si ngena embusweni ka Tixo. isa. 11. 23. & 13. 43.

Luk. 22. 23, 29. Rome 8. 17. 2 Tim. 2. 11, 12. & 3. 12.

23 Bemisa amalunga emabandhlени onke, ba kuleka ba zila ukudhla, ba wa nikela eNkosini a kolwa iyo.

24 Ba dabula ePisidia, ba ya ePamfilia.

25 Ba shumayela izwi ePerga, beukela eAtalia.

26 Bemuka kona ba ya eAntioki ngomkumbi, lapo ba be nikelwe kona emuseni ka Tixo ukuya emsebenzini aba be u qedile. isa. 13. 1, 3. & 15. 40.

27 Se be fikile ba buta ibandhla, ba landisa konke uTixo a be kwenzele bona, ngokuba e be vulele abezizwe umyango wokukolwa. isa. 15. 4, 12. & 21. 19.

1 Kor. 16. 9. 2 Kor. 2. 12. Kol. 4. 3.

## ISIAHLUKO 15.

**K**WEHLA abantu, be vela eJudia, ba fundisa abazalwane, be ti, Uma ni nga soki ngemvelo ka Mosi, ni nge sindiswe. Gal. 2. 12. Fil. 3. 2. Kol. 2. 11.

Levi 12. 3.

2 Njalo oPaule noBarnaba bahlukana nabo, ba pikisana kakulu; ba tyo ukuba uPaule noBarnaba nabanye ba kubo ba kupukele eJerusalema kubapostoli namalunga nga leyondaba. Gal. 2. 1.

3 Kona be pelekezelwe ibandhla, ba dabula iFenike neSamaria, ba landisa ukupenduka kwabezizwe, benza ukujabula okukulu kubo bonke abazalwane. Rome-15. 24 1 Kor. 16. 6, 11. isa. 14. 27.

4 Se be fikile eJerusalema, banikelwa ibandhla nabapostoli namalunga; ba landisa konke uTixo a be kwenzele bona. isa. 14. 27. & 21. 19.

5 Kodwa kwesuka abanye bohlobo lwabaFarisi abakolwayo, be ti, Ku fanele ukubasoka nokubayala ba londe umteto ka Mosi.

6 Kwa butana abapostoli namalunga ukuze ba bone nga leyondaba.

7 Se be pikisene kakulu, wesuka uPetro, wa ti kubo, Madoda, bazalwane, ni yazi se ku kade uTixo wa ngi keta kitina, ukuba ngomlomo wami abezizwe ba li zwe izwi levangeli, ba kolwe.

isa. 10. 20. & 11. 12.

8 uTixo o yazi inhliziyi wa ba qiniseka, e ba pa uMoya o ingewe, njengaloku e be si pile tina. 1 Kron. 28. 9.

isa. 1. 24. & 10. 44.

9 Ka sahlukanisanga tina nabo, e hlanza izinhliziyi zabo ngokukolwa. isa. 10. 15, 28, 43. 1 Kor. 1. 2. 1 Pet. 1. 22.

10 Po! ni m lingelani uTixo ngokubeka ijokwe entanyeni yabafundi, aba nga banga namandhla okulitwala obaba betu, nati a si nawo?

Mat. 23. 4. Gal. 5. 1.

11 Kodwa si ya kolwa ukuti, si ya kundiswa ngomusa weNkosi uJesu, njengabo ba sindiswa. Rome 3. 24.

Ef. 2. 8. Titusi 2. 11.

12 Kona ibandhla lonke la tula; ba lalela oBarnaba noPaule, be landisa izibonakaliso nezimangaliso, uTixo a be xenzile kwabezizwe ngabo. isa. 14. 27.

13 Se be tulile, uJakobe, wa pendula, wa ti, Madoda, bazalwane, ngi laleleni: isa. 12. 17.

14 uSimone u landile, wa ti, uTixo wa hamba abezizwe kuqala, ukuze a li tabatele igama lake abantu kubo.

15 Namazwi abaprofeti a vumelana na loku, njengokulotywiweyo ukuti,

16 Emva kwa loku ngi ya kubuya, ngi yake indhlu ka Davida ewileyo; ngi ya kwaka ukuciteka kwayo, ngi i mise:

Amosi 9. 11, 12.

17 Ukuze abaseleyo ebantwini ba funisise iNkosi, nabezizwe bonke ababizwa ngegama lami, i tyo iNkosi e kwenza loku.

18 Kwaziwa uTixo imisebenzi yonke yake, iloku kwa dabuka izwe.

19 Ngako ngi ti mina; ma si nga ba katazi abezizwe abapendukela kuTixo:

1 Tes. 1. 9.

20 Kodwa ma si ba lobele inewadi yokuba ba yeke amanyala emifanekiso, nokuhlobonga, nokuqumbeleneyo, negazi.

Gen. 35. 2. Eks. 20. 3, 23.

Hez. 20. 30. || 1 Kor. 6. 18. 1 Tes. 4. 3.

1 Pet. 4. 3. || Gen. 9. 4. Levi 3. 17.

21 Ngokuba uMosi, kwa ku sendulo, emzini yonke, e nabo abamshumayelayo, e fundwa, ezindhlini zokusonta amasabata onke.

isa. 13. 15, 27.

22 Kona kwa ba kuhle kubapostoli namalunga, kanye nebandhla lonke, ukuba ba tumele eAntioki abantu abaketiweyo kubo, kanye noPaule noBarnaba; ba be nguJuda o tiwa uBarsaba, noSila, izikulu ebazalwaneni;

isa. 1. 23.

23 Ba loba inewadi, i petwe ibo, yokuti, Ababostoli namalunga nabazalwane ba ya bingelela abazalwane ba kwabezizwe ba seAntioki, naba seSiria, naba seKilikia:

24 Loku be si zwile ku tiwa abanye aba puna kitina, ba ni kataza ngamazwi, be zona izinhliziyzo zenu, be ti, Nga ni soka, ni londe umteto; a si tyongo njalo kubo:

Gal. 2. 4. & 5. 12. Titusi 1. 10.

25 Se si hlangene nganhliziyonye, be si ti kuhle, ukuba si tumele kini abantu abaketiweyo, kanye noBarnaba noPaule abantandiweyo betu,

26 Abantu aba dele ukupila kwabo ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu.

isa. 14. 19. 1 Kor. 15. 30.

27 Ngako se si tumile uJuda noSila, aba za kunityela lezizinto ngomlomo.

28 Ngokuba se ku kuhle kuMoya o ingewele na kitina, ukuba si nga ni twesi umtwalo omkulu ku na lezizinto ezifanelekileyo zokuti,

29 Ukuyeka okuhlathyelwe imifanekiso, negazi, nokuqumbeleneyo, noku-

hlobonga; uma ni zilinda ku lezo, ni ya kulunga. Salani kahle.

isa. 21. 25, Isam. 2. 14, 20.

30 Se be mukisiwe, ba ya eAntioki; ba mema ibandhla, ba li nika inewadi.

31 La ti ukuifunda, la tokoza ngokululeka kwayo.

32 Futi uJuda noSila, loku ba be abaprofeti nabo, ba luleka abazalwane ngamazwi amaningi, ba ba qinisa:

isa. 14. 22.

33 Ba hlala kona isikati, ba buya bemuka kubazalwane, be tokoza ba ya kubapostoli.

1 Kor. 16. 11. Hebr. 11. 31.

34 [Kepa kwa ba kuhle kuSila ukuba a sale kona.]

35 Futi uPaule noBarnaba ba hlala eAntioki, be fundisa, be shumayela izwi leNkosi, kanye nabanye abaningi,

isa. 13. 1.

36 Kepa emva kwezinsuku uPaule wa ti kuBarnaba, A si buye si hambе abazalwane emizini yonke esi shumayele izwi kuyo, si bone ukuba ba hlezi kanjani.

isa. 13. 4, 13, 14, 51. & 14. 1, 6, 24, 25.

37 Wa ti uBarnaba, ma ba mtabate uJohane o tiwa uMarko, ba hambе naye.

isa. 12. 12.

38 Kodwa uPaule wa ti, a ku fanele ukuba a tatyatwe, loku wahlukana nabo ePamfilia, e nga yanga nabo emsebenzini.

isa. 13. 13.

39 Ku njalo ba pikisana, ba za bahlukana; uBarnaba wa tabata uMarko, wa ya eKipro e hamba ngomkumbi;

40 uPaule wa keta uSila, wemuka, e nikelwe abazalwane emuseni ka Tixo.

isa. 14. 26.

41 Wa dabula iSiria neKilikia e qinisa amabandhla.

isa. 16. 5.

## ISAHLUKO 16.

**WA** ya wa fika eDerbe na seListra; kwa ku kona umfundi, igama lake li nguTimote, indodana yomfazi o ngumJuda, o ikolwa, kodwa uyise wa e umGrecki: isa. 14. 6. & 19. 22. Rome 16. 21.

1 Kor. 4. 17. Fil. 2. 19. 1 Tes. 3. 2.

1 Tim. 1. 2. 2 Tim. 1. 2, 5.

2 Wa dunyiswa abazalwane ba seListra na ba seKonio.

isa. 6. 3.

3 uPaule wa tanda ukuba lowo a hambе naye; wa m soka ngenxa yabaJuda aba be kona ku lezozindawo: ngokuba ba be m azi bonke uyise u ngumGrecki.

1 Kor. 9. 20. Gal. 2. 3. & 5. 2.

4 Be sa dabula imizi, ba ba nika imite-



to, eya i nqunyiwe Abapostoli namalunga a seJerusalema, ukuba ba i londe.

isa. 15. 28, 29.

5 Njalo amabandhla a qiniswa ekukolweni, anda ngobuningi imihla nge-mihla.

isa. 15. 41.

6 Se be dabulile iFrigia nezwe la seGalatia, be nqatyelwa uMoya o ingewe-le ukushumayela izwi eAsia,

7 Ba fika eMisia, ba linga ukuya eBiantania: kodwa uMoya ka Jesu ka ba vumelanga.

8 Ba dhlula iMisia, behlela eTroa.

2 Kor. 2. 12. 2 Tim. 4. 13.

9 Kwa ti ebusuku kwa bonakala kuPaule isiboniso: kwa ku mi ununtu wa seMakedonia, e m nxusa, e ti, Wela, u ze eMakedonia, u si size.

isa. 10. 30.

10 E se bonile isiboniso, sa linga ukuya eMakedonia, sa ti, iNkosi i si bizile si ye si ba shumayeze ivangeli.

2 Kor. 2. 13.

11 Ngako sa muka eTroa, sa ya si qonda eSamotrake, ngangomso seza eNeapoli;

12 Sesuka lapo seza eFilipi, umuzi omkulu wa lelozwe la seMakedonia, u ikolonia. Sa hlala ku lomuzi izinsuku ezitile.

Fil. 1. 1.

13 Kwa ti ngosuku lwesabata sa puma emzini, sa ya nga semfuleni, lapa be jwayele ukukuleka kona; sa hlala sa shumayela kwabesifazana ababuteneyo.

14 Kwa ku zwa umfazi, igama lake li nguLidia, owa tengisa ngezingubo ezibomvu, wa semziini o tiwa iTiatura, owa e konza uTixo: iNkosi ya vula ihlizizyo yake, ukuba a lalele okwa shunyayelwa uPaule.

Luk. 24. 45.

15 E se bapatzizwe yena nendhlu yake, wa si nxusa e ti, Uma ni ti, ngetembekile eNkosini, a ke ni ngene endhlini yami, ni hlale. Wa si neenga.

Gen. 19. 3. Luk. 24. 29.

16 Kwa ti, be si ye ukukuleka, ya si fumana intombi i nomoya wokubula, eya i tolela abaniniyo imali eningi ngokubula.

1 Sam. 28. 7. isa. 19. 24.

17 Yona ya si landela, uPaule nati, ya memezwa ya ti, Lababantu ba izinceku zika Tixo opezulu, aba si shumayeza indhlela yokusindiswa.

18 Yenza njalo izinsuku eziningi. Kodwa uPaule e canukele, wa pendula wa ti kumoya, Ngi tyo kuwe, ngegama lika Jesu Kristu, ukuba u pume kuye. Wa puma nga lesosikati.

Mark 1. 34. & 16. 17.

19 Ba ti abaniniyo, be bone itemba lemali yabo li mukile, ba bamba oPaule noSila, ba ba hudulela endaweni yokubutana, emakosini.

isa. 19. 25, 26. Mat. 10. 18.

20 Ba ba yisa ezinduneni, be ti, Lababantu ba kataza umuzi wa kiti, be ngabaJuda,

1 Ama. 18. 17. isa. 17. 6.

21 Ba shumayela imikuba e nga fauele ukuba si yamkele, si yenze, loku si ngamaRoma.

22 Kona abantu ba ba vukela, izinduna za ba hlubula izingubo zabo, za yala ukuba ba tyaywe.

2 Kor. 6. 5. & 11. 23. 1 Tes. 2. 2.

23 Za ba tyaya imivimbo eminingi, za ba faka etilongweni, zi yala unlindi wetilongo, a ba linde, a qinise:

24 Yena e yaliwe njalo, wa ba faka etilongweni elipakati wa bopa izinyawo zabo ezingongolweni.

25 Kodwa pakati kobusuku oPaule noSila ba kuleka, ba bongwa uTixo: izibotywa za bezwa.

26 Kwa ti masinya kwa ba kona ukuzamazama komhlaba okukulu; kwa zanyazanyiswa izisekelo zetilongo; kwa vuleka iminyango yonke masinyane, kwa tukuluka izibopo zabo bonke.

isa. 4. 31 & 5. 19. & 12. 10.

27 Umlindi wa papama, wa bona iminyango yetilongo i vulekile, wa hotya inkemba, wa e za kuzibulala, e ti, izibotywa se zi balekile.

28 Kodwa uPaule wa memezwa ngezwi elikulu, e ti, U nga zilimazi, si kona sonke.

29 Wa biza isibani, weqa wa ngena, e tutumela, wa wa pausi pambi kuka Paule noSila.

30 Wa ba pumesa, wa ti, Makosi, nga ngenzani ukuba ngi sindiswe na?

Luk. 3. 10.

31 Ba ti, Kolwa iNkosi uJesu Kristu, kona u ya kusindiswa wena nendhlu yako.

John. 6. 47..

32 Ba shumayela kuye izwi leNkosi, na kubo bonke aba sendhlini yake.

33 Wa ba tabata nga lesosikati sobusuku, wa ba geza imivimbo; wa bapatzizwa masinyane, yena nabo bonke abake.

34 Wa ba ngenisa endhlini yake, wa ba bekela ukudhla, wa tokoza nabo bonke abendhlu yake, e kolwa uTixo.

35 Se ku sile, izinduna za tuma amapolise, za ti, Ba kulule lababantu.

36 Umlindi wetilongo wa m tyela

uPaule lawomazwi, e ti, Izinduna zi tumile ukuba ni kululwe; ngako pumani kaloku, ni hambe kahle.

37 Kodwa uPaule wa ti kubo, Ba si tyayile obala, si nga lahlwanga, tina maRoma, ba si faka etilongweni; kaloku ba si pumesa ngasese na? Ai! a ku ze bona, ba si pumese. isa. 22. 25.

38 A ya amapolise a tyo lawamazwi ezinduneni; zesaba se zi zwile ukuti ba ngamaRoma.

39 Zeza za ba ncenga, za ba kipa, za ba nxusa ukuba ba muke emzini. Mat. 8. 34.

40 Ba punia etilongweni, ba ya endhlini ka Lidia: ba bona abazalwane, ba ba yala, bemuka.

ISAHLUKO 17.

**S**E be dabulile iAmfipoli neApolonia, ba fika eTesalonika, lapo kwa ku kona indhlu yokusonta yabaJuda.

2 uPaule, njengokwenza kwake wa ngena kubo, amasabata amatatu wa shumayela kubo ngezindaba zemibalo, isa. 9. 20. & 13. 5.

3 E casisela, e qondisa ukuti, kwa be ku dingeka ukuba uKristu a hlupoke a buye a vuke kwabafileyo; nokuti, uJesu lo, engi ni shumayeza yena, u ngu-Kristu. Luk. 24. 26, 46. isa. 18. 48.

4 Abanye kubo ba kolwa, ba hlangua noPaule noSila, nabaningi aba ngama-Greki a konzayo, nabesifazana abakulu aba nge siyo incozana. isa. 28. 24. & 15. 22.

5 Kepa abaJuda abangakolwayo ba ba nomona, ba tabata amashinga a tile kumavila, ba buta umbonda, ba banga umsindo emzini, ba kandanisela indhlu ka Jasone, ba funa ukubayisa ebantwini. Rome 16. 21.

6 Kodwa be nga ba fumani, ba m hola uJasone nabanye abazalwane, ba ya nabo kubabusi bomuzi, ba memeza be ti, Laba aba nyakazisa izwe se be fikile na lapa; isa. 16. 20.

7 U bamkele uJasone; labo bonke ba pambene nemiteto ka Kesari, be ti, i kona euye inkosi, uJesu. Luk. 23. 2. John. 19. 12.

8 Betuka abantu nababusi bomuzi, se bezwe loko.

9 Ba tabata isiboniso kuJasone na kwabanye, ba ba yeka.

10 Ba ti abazalwane ba tyetya ba mukisa oPaule noSila ebusuku, ba ye eBerea; se be fikile kona, ba ngeua endhlini yokusonta yabaJuda. isa. 9. 25.

11 Labo ba be lungile ku na labo aba

seTesalonika, ngokuba ba lamkela izwi ngenhliziyoyonke, ba bhekisisa izinewadi imihla ngemihla, uma lezizinto zi njalo. Isai. 34. 16 Luk. 16. 29. John. 5. 39.

12 Ngako abaningi kubo ba kolwa; nabesifazana abakulu aba ngamaGreki, namadoda a nge siyo incozana.

13 Kodwa abaJuda ba seTesalonika, se be zwa ukuti izwi lika Tixo li shunyayelwe uPaule na seBerea, beza kona ba nyakazisa abantu.

14 Kona masinyane abazalwane ba mukisa uPaule ukuba a ye nga selwandhle: kodwa uSila noTimote ba sala kona.

15 Labo aba be m pelekezela uPaule ba m yisa eAtene; se be yaliwe ukuba ba ye, ba bize uSila noTimote, beze kuye ba tyetye, bemuka. isa. 18. 5.

16 uPaule e sa ba linda eAtene, umoya wake wa emuka pakati kwake, e bona umuzi u vame izitombe.

17 Ngako wa shumayela endhlini yokusonta kubaJuda na kwabakonzayo, na sendaweni yokubutana wa shumayela imihla ngemihla kwabamfume-neyo.

18 Kona abanye aba kubaEpikuro naba kumaStoiko, abahlakanipi, ba pikisana naye. Abanye ba ti, Lesisibobi si za kutini na? Abanye ba ti, Ku nga ti u ngoshumayela otixo abangaziwayo: ba tyo ngokuba wa shumayela ngoJesu, na ngokuvuka kwabafileyo.

19 Ba m tabata, ba m yisa eAreopagu, be ti, Si nga kwazi lokukufundisa okutya, o ku shumayelayo, ukuba ku ini na?

20 Ngokuba u lete ezindhlebeni zetu izindaba ezimangalisayo: ngako si tanda ukwazi, ukuba ku tini lezizinto.

21 Ngokuba bonke aba seAtene nabezizwe aba be hlezi kona a benzanga luto, ba shumayela bezwa izindaba nje kupela.

22 Kona uPaule wema ngapakati kwe-Areopagu, wa ti, Madoda a seAtene, ngi ya kona ni konza otixo kakulu ngezinto zonke.

23 Ngokuba ekudhluleni kwami nga buka izitonibe zenu, nga bona ilati oku lotywe kulo ukuti, Elika Tixo ongaziwayo. Ngako lowo, eni m konzayo, ni nga m azi, ngi ya ni shumayeza yena. 2 Tes. 2. 4.

24 uTixo owenza umhlaba nako konke oku kuwo, loku u iNkosi yezulu no-

mhlaba, ka hlali ematempelini enziwe ngezandhla; isa. 14. 15. Mat. 11. 25. isa. 7. 48.

25 Ka konzwa ngezandhla zabantu, ku nga ti u dinga into, loku uyena o ba pa bonke ukupila, nokupefumla, nezinto zonke; Izihl. 50. 8. Gen. 2. 7.

Imib. 16. 22. Jobe 27. 3.

26 Wa zenza izizwe zonke zi vela ngezazi linye, ukuba zake emhlabeni wonke, wa misa izikati ezinqunyiweyo, nemikaulo yokwaka kwazo; Dut. 32. 8.

27 Ukuze zi fune iNkosi, zi ti katismbe zi nga i zwa zi mpumputayo, zi i fumanise, kepa a i kude kitina sonke.

isa. 14. 17.

28 Ngokuba si pila, si hamba, si noku-bako ngayo; njengaloku se be tyo nabanye abaqamba magama ba kini, ukuti, Tina si inzalo yake. Titusi 1. 12.

29 Ngakoke loku si inzalo ka Tixo, a ku fanele ukuba si ti, ubutixo bu faua negolide, nesiliva, netye, ku lunjiwe ngesineke nokuhlakanipa kwabantu.

Isai. 40. 18.

30 uTixo wa zi bekezela izikati zokun-gazi, kepa kaloku u yala abantu bonke ezindaweni zonke ukuba ba penduke:

isa. 14. 16. Luk. 24. 47. Titusi 2. 11, 12.

1 Pet. 4. 3.

31 Ngokuba u misile usuku, a ya kwa-hlulela ngalo izwe ngokulunga, ngomun-tu a m bekileyo: wa qinisa kubo bonke ngokumvusa kwabafileyo.

isa. 10. 42. Rome 2. 16. & 14. 10. isa. 2. 24.

32 Bezwa e kuluma ngokuvuka kwa-bafileyo, abanye ba hlekisa; abanye ba ti, Si ya kubuya si ku zwe nga lendaba.

33 Njalo uPaule wa puma pakati kwa-bo, wemuka.

34 Kepa abanye abantu ba namatela kuye, ba kolwa: kwa ku kona pakati kwabo uDionisi wa seAreopagu, nowesifazana o tiwa uDamari, nabanye kanye nabo.

### ISAHLUKO 18.

**E**MVA kwa loku uPaule wemuka eAtene, wa ya eKorinte.

2 Wa fumana kona umJuda, igama lake li nguAkwila, wa sePontu ngokuzalwa, e sandu kuvela eItali, nomkake ePrisila; (ngokuba uKlaudio wa be e memezile ukuba abaJuda bouke bemuke eRoma;) wa ya kubo. Rome 16. 3.

1 Kor. 16. 19. 2 Tim. 4. 19.

3 Loku wa e ngowomsebenzi munye nabo, wa hlala nabo, wa sebenza; ukwe-nza amatente ku umsebenzi wabo.

isa. 20. 34. 1 Kor. 4. 12. 1 Tes. 2. 9. 2 Tes. 3. 8.

4 Wa shumayela endhlini yokusonta amasabata onke, wa bahlula abaJuda namaGreki. isa. 17. 2.

5 Kwa ti, se be fikile oSila noTimote, be vela eMakedonia, uPaule wa cindelzelwa izwi, wa qinisa kubaJuda ukuti uJesu u nguKristu. isa. 17. 14, 15.

Jobe 32. 18.

6 Kodwa be sa pika, be tuka, wa vutulu izingubo zake, wa ti kubo, Igazi lenu ma li be pezu kwamakanda enu; ngi mhlope mina: se ngi za kusuka manje; ngi ye kwabezizwe. isa. 13. 45.

Neh. 5. 13. Mat. 10. 14. isa. 13. 51. Levi 20. 9.

Hez. 3. 18, 19. isa. 28. 28.

7 Wemuka lapo, wa ngena endhlini yomuntu, o tiwa uJustu, owa e konza uTixo, indhlu yake ya i seduze nendhlu yokusonta.

8 uKrispu, umbusi wendhlu yokusonta, wa kolwa iNkosi, kanye nayo yonke indhlu yake; nabaningi ba seKorinte bezwa, ba kolwa, ba bapatizwa.

1 Kor. 1. 14.

9 Kona iNkosi ya ti kuPaule ngesiboniso ebusuku, U ngesabi; shumayela njalo, u nga tuli. isa. 23. 11.

10 Ngokuba ngi nawe mina, a ku ko umuntu o za kukuvukela, a ku limaze: ngokuba ngi nabantu abanangi ku lomuzi. Jer. 1. 18. Mat. 23. 20.

11 Wa hlala kona umnyaka nezinyanga ezi isitupa, e fundisa izwi lika Tixo pakati kwabo.

12 Kwa ti, uGalio e ngumbusi wa se-Akaya, abaJuda ba m vukela uPaule nganhliziyonye; ba m yisa esihlalweni sokwahlula;

13 Ba ti, lomuntu u ya ba unga abantu, ukuba ba nga m dumisi uTixo ngomteto.

14 Kepa uPaule e se za kukuluma, uGalio wa ti kubaJuda, Nina baJuda, uma be ku kona icala lokona nelokushinga, nga ngi ni vumela:

isa. 23. 29. & 25. 19.

15 Kodwa uma ku ukupikisana ngezwi, na ngamagama, na ngomteto wa kini, ku bekeni nina; a ngi tandi ukwahlula lezizinto.

16 Wa ba xotya esihlalweni sokwahlula.

17 Kona amaGreki onke a m bamba uSostene, umbusi wendhlu yokusonta, a m tyaya kona esihlalweni sokwahlula, kepa uGalio a ka naka lezozinto.

1 Kor. 1. 1.

18 Wa ti uPaule, e se hlezi kona izinsu-

ku eziningi, wa ba vaelisa abazalwane, wemuka ngonkumbi, wa ya eSiria, kanye noPrisila noAkwila, e gundile ikanda lake eKenkrea; ngokuba wa e botyiwe izwi. Imib. 6. 18. isa. 21. 24.

Rome 16. 1.

19 Wa fika eEfesu, wa ba shiya kona; kepa yena wa ngena endhlini yokusonta, wa shumayela kubaJuda.

20 Ba m neenga ukuba a hlale nabo isikati: a ka vuma.

21 Wa ba vaelisa, e ti, Ku fanele impela ukuba ngi gcine eJerusalem a lomhlango ozayo: kepa ngi ya kubuya ngi ze kinina, uma uTixo e vuma. Wemuka eEfesu. isa. 19. 21. & 20. 16.

1 Kor. 4. 19. Heb. 6. 3. Jak. 4. 15.

22 Se e fikile eKesaria, wa kupuka wa ya wa bingelela ibandhla, weukela eAntioki.

23 Wa hlala kona isikati, wemuka wa dabula izwe la seGalatia na seFrigia imizi ngemizi, e qinisa abafundi bonke.

Gal. 4. 14. isa. 14. 22.

24 Kwa fika eEfesu umJuda ofile, igama lake li nguApolo, wa seAlexandria ngokuzalwa, umuutu ofandileyo, e namandhla ezinewadini.

1 Kor. 1. 12. & 3. 5, 6. & 4. 6. Titusi 3. 13.

25 Lomuntu wa e fundisiwe indhlela yeNkosi; e tya ngomoya, wa shumayela, wa fundisa kahle izindaba zeNkosi, e kwazi ukubapatiza kuka Johane kupela. Rome 12. 11. isa. 19. 3.

26 Wa qala yena ukushumayela ngesibindi endhlini yokusonta. Kepa se be m zwile uAkwila noPrisila, ba m tabata, ba m easisela kahle indhlela kaTixo.

27 E tanda ukudhlulela eAkaya, abazalwane ba loba inewadi, ba yala abafundi ukuba ba m amkele: se e fikile wa ba siza kakulu abakolwayo ngomusa. 1 Kor. 3. 6.

28 Ngokuba wa ba pikisa abaJuda ngamandhla, wa bahlula pambi kwabantu, e bonisa ngezinevadi ukuti uJesu u nguKristu. isa. 9. 22. & 17. 3.

### ISAHLUKO 19.

**K**WA ti uApolo e se seKorinte, uPaule, e se dabulile izwe eli ngasenhla, wa fika eEfesu; wa fumana kona abafundi aba tile, 1 Kor. 1. 12. & 3. 5, 6.

2 Wa ti kubo, Ni m amkele uMoya o ingewele, loku na kolwayo na? Ba ti kuye, Asi zanga si zve nokuba u kona uMoya o ingewele. 1 Sam. 3. 7. isa. 8. 16.

3 Wa ti kubo, Po, na bapatzwa nga-

kupi na? Ba ti, Ngokubapatiza kuka Johane. isa. 18. 25.

4 Wa ti uPaule, Yebo, uJohane wa bapatiza ngokubapatiza kokupenduka, e ti kubantu, a ba kolwe uyena o ya kuza emva kwake, oku ukuti uKristu uJesu. Mat. 3. 11. John. 1. 15. isa. 13. 24, 25.

5 Se be zwile loku ba bapatzwa ngegama leNkosi uJesu. isa. 8. 16.

6 uPaule se e bekile izandhla pezu kwabo, kwa fika uMoya o ingewele pezu kwabo, ba shumayela ngezilimi, ba profeta. isa. 2. 4. & 6. 6. & 10. 46.

7 Lababantu bonke ba be ngaba ishumi nambili.

8 Wa e ngena endhlini yokusonta, wa shumayela ngesibindi, izinyanga za zintatu, e pikisa e bahlula ngezindaba zombuso ka Tixo. isa. 17. 2. & 23. 23.

9 Kepa, loku abanye ba be lukuni, be nga kolwa, be shumayela kabi nga leyondhlela pambi kwabantu, wemuka kubo wa keta abafundi, wa shumayela imihla ngemihla esikoleni so nguTiranu.

2 Pet. 2. 2. isa. 9. 2. & 22. 4. & 24. 14.

10 Kwa kwenziwa loko iminyaka emibili, njalo bonke aba be hlezi eAsia ba li zwa izwi leNkosi, nabaJuda nama-Greki. isa. 20. 31.

11 uTixo wenza imisebenzi emikulu ngezandhla zika Paule: Mark 16. 20.

12 Kwa yiswa kwabagulayo amaduku nezingubo e be zi patene nomzimba wake, kwa suka izifo kubo, nomoya ababi ba puma. 2 Ama. 4. 29.

13 Kona abanye abaJuda, abandindayo, aba izanusii, ba linga ukubiza igama leNkosi uJesu pezu kwabo aba be nomoya ababi, be ti, Si ya ni fungisa uJesu o shunyayelwa uPaule.

Mat. 12. 27. Mark 9. 38. Luk. 9. 49.

14 Kwa ku kona amadodana a isikombisa ka Sikeva, umJuda, umpristi omkulu, enza njalo.

15 Wa pendula umoya omubi wa ti, uJesu ngi ya m azi, noPaule ngi ya m azi; kodwa nina ni ngobani na?

16 Kona lomuntu owa be nomoya omubi wa ba vukela, wa bahlula, wa ba namandhla ku nabo, ba baleka ku leyondawo, be hambaze, be limele.

17 Kwezwakala loko kubo bonke aba be hlezi eEfesu, abaJuda namaGreki; bonke behlelwa uvalo, igama leNkosi uJesu la dunyiswa. isa. 2. 43.

18 Abaniingi abakolwayo beza, ba vuma, ba i landa imisebenzi yabo.

Mat. 3. 6.

19 Nabaningi abatakayo ba buta izi-ncwadi zabo, ba zi tyisa pambi kwabo bonke; kwa balwa imali yentengo yazo, ya ti ya izinhlamvu zesiliva iziinkuluwane ezimashumi a isihlanu.

20 Njalo izwi leNkosi landa ngamandhla, lahlula. isa. 6. 7. & 12. 24.

21 Se zi pelile lezozinto, uPaule wa qonda enhliziyweni yake, ukuya eJerusalem, e dabula iMakedonia neAkaya, e ti, Se ngi yile kona, ku fanele ngi ye ngi bone neRoma. Rome 15. 25. & 20. 22. isa. 18. 21. & 23. 11. Rome 15. 24-28.

22 Wa tuma ababili kwabamkonzayo, uTimote noErasto, ba ye eMakedonia, kepa wa hlala yena eAsia isikati. isa. 13. 5. Rome 16. 23. 2 Tim. 4. 20.

23 Kwa vela nga lesosikati umsindo omkulu nga leyondhlela. 2 Kor. 1. 8. isa. 9. 2.

24 Kwa ku kona umuntu, igama lake li nguDemetrio, umkandi wesiliva, owenza izitombe zesiliva zika Diana, wa fuyisa abalumbi imali eningi; isa. 16. 16, 19.

25 Wa ba buta laba nabasebenzayo imisebenzi e njalo, wa ti, Madoda, ni ya zi ukuba nga lomsebenzi si zuzo imfuyo yetu.

26 Ni ya bona, ni zwile ku tiwa, uPaule lo u beduse abantu abaningi ngokuncenga, ku nge sibho aba seEfesu lodwa, kepa naba seAsia la za la cityu ukupela lonke, e ti, A sibho otixo abenziwe ngezandhla.

Izihl. 115. 4. Isai. 44. 10-20. Jer. 10. 3.

27 Ngako a siwo umsebenzi wetu odwa u sengozini yokudelelwa, kodwa itempeli lotixo omkulu uDiana, li za kweiswa, ku ze ku citwe ubukulu bake, eli m konzayo iAsia lonke nezwe lonke.

28 Ba ti ukuzwa loku, ba tukutela kakulu; ba memeza be ti, Umkulu uDiana waba seEfesu.

29 Umuzi wonke wa xokozela: ba gimela nganhliziyonye endaweni yokubuka, se be bambile uGayo noAristarku, abantu ba seMakedonia, aba m pelekezela uPaule. Rome 16. 23.

1 Kor. 1. 14. isa. 20. 4. & 27. 2. Kol. 4. 10. Filemone 24.

30 uPaule wa tanda ukungena kubantu, kepa abafundi a ba m vumela.

31 Za ti ezinye izikulu za seAsia, ezi tandana naye; za tumela kuye; zi nce-nga ukuba a nga zinikeli endaweni yokubuka.

32 Njalo abanye ba memeza okunye,

Zulu, Acts.

nabanye okunye: ngokuba be li pitiza ibandhla; abaningi ba be ngazi ukuba ba butene ngani.

33 Kona ba m kipa uAlessandro ebantwini, abaJuda ba m qubela ngapambili. uAlessandro wa qweba ngesandhla, e funa ukuzipendulela ebantwini.

1 Tim. 1. 20. 2 Tim. 4. 14. isa. 12. 17.

34 Se bazi ukuba u ngumJuda, kwa sika izwi la linye kubo bonke, be memeza amahora a nga ba mabili, be ti, Umkulu uDiana waba seEfesu!

35 Umbali womuzi e se ba tulisile abantu, wa ti, Madoda a seEfesu, u mupi umuntu ongaziyo ukuba umuzi waba seEfesu u ngumkonzi ka Diana omkulu nowesitombe esehla kuJupetere na?

36 Loku lezizinto zi nge pikwe umuntu, nga be ni tula, ni ngenzi luto ngokupangisa,

37 Ngokuba se ni lete lapa lababantu, aba nge sibho abapangi bamatempeli nabatuki botixo wenu.

38 Ngako uma uDemetrio nabalumbi abanaye, be necala kumuntu, zi kona izinsuku zokuteta amacala, a kona namakosi, ma ba mangalelane bodwa.

39 Kepa uma ni funa uto lwezinye izindaba, ku ya kunqanyulwa ebandhleni elimisiweyo.

40 Ngokuba si nga mangalelwa ngomsindo wa namhla, loku si nge naku-pendula nga lokukuxokozela.

41 Se e tyilo loko, wa mukisa ibandhla.

### ISAHLUKO 20.

SE ku pelile umsindo, uPaule wa biza abafundi, wa vaelisa, wemuka, wa ya eMakedonia. 1 Kor. 16. 5.

2 E se dabulile lezozindawo, e ba yalile ngamazwi amaningi, wa ya ezweni la seGrekhi;

3 E be hlezi kona izinyanga za ba ntatu, enzelwe icebo ngabaJuda, e se za kusukela eSiria, wa ti u za kubuyela emva a dabule eMakedonia. isa. 9. 23.

4 Ba m pelekezela ba za ba fika eAsia uSopatro wa seBeria, uAristarku noSekundo wa seTesalonika, noGayo wa seDerbe, noTimote, uTikiku noTrofimo ba seAsia. isa. 16. 1. & 19. 29. & 21. 29. Ef. 6. 21. Kol. 4. 7. 2 Tim. 4. 12, 20.

Titusi 3. 12.

5 Labo ba hamba pambili, ba si hlalela eTroa.

6 Tina sa hamba ngomkumbi; sa kuka eFilipi emva kwezinsuku zesinkwa esi nge namvubelo, sa fika kubona

eTroa ngezinsuku ezi isihlanu; sa hlala kona izinsuku ezi isikombisa.

Eks. 12. 14. & 23. 15. isa. 16. 8.

7 Kwa ti ngosuku lokuqala lwesonto, se be butene abafundi ukuba ba hlepule isinkwa, uPaule wa shumayela kubo, e be za kumuka ngangomso; wa shumayela kwa za kwa ba pakati kobusuku.

isa. 2. 42, 46. 1 Kor. 10. 16. & 11. 20. & 16. 2. Isam. 1. 10.

8 Kwa ku kona izibani eziningi endhlini e pezulu, lapo be si butene.

isa. 1. 13.

9 Kwa be ku hlezi esibukweni insizwa, igama layo uEutiku, yahluleke ubutongo obukulu: uPaule e sa shumayela kade, ya ngupaza ubutongo; ya wa pausi, yehla endhlini yesitatu e pezulu, ya tatyatwa i si file.

10 Welha uPaule, wa wa pezu kwayo, wa i singata, wa ti, Ni nga kali; umpefumlo wayo u se kuyo.

1 Ama. 17. 21.

2 Ama. 4. 34. Mat. 9. 24.

11 Wa buya wenyuka, wa hlepula isinkwa, wa dhla, wa kuluma nabo isikati eside, kwa za kwa sa, kona wemuka.

12 Ba leta insizwa i si pilile, ba tokoziswa kakulu.

13 Kodwa tina sandulela ukuya emkunjini, sa ya ngawo eAso, be si za kungenisa kona uPaule; ngokuba wa e tyilo njalo, e se za kuhamba pansu yena.

14 Sa ti ukuhlangana naye eAso, sa m ngenisa, seza sa fika eMitelene.

15 Sa muka lapo ngomkumbi, kwa sa sa fika malungana neKio; kwa sa sa dhulela eSamo; sa hlala eTrogilio, kwa sa seza eMiletu.

16 Ngokuba uPaule wa e tyilo u za kudhlula eEfesu ngomkumbi, ukuze a nga libali eAsia; wa tyetya ukuba a be eJerusalema ngosuku lwepentekose, uma e nga fika.

isa. 2. 1. & 18. 21. & 19. 21. & 24. 17.

1 Kor. 16. 8.

17 E seMiletu wa tumela eEfesu, wa biza amalunga ebandhla.

18 E se fikile wa ti kubo, Ni yazi, ku qala osukwini lokuqala enga fika ngalo eAsia, ukuba ku njani ukuhamba kwami pakati kwenu ngezikati zonke,

isa. 18. 19. & 19. 1, 10.

19 Ngi konza iNkosi ngako konke ukutobeka kwenhliziyu, na ngezinyembezi, na ngokulingwa, okwa ngehlela ngokungieba kwabaJuda:

20 A ngi godhlanga luto olusizayo,

kepa ngi ni shumayeze; ngi ni fundise ebantwini, na sezindhlini.

21 Ngi ku qinisa kubaJuda na kuma-Greki ukupendukela kuTixo, nokukulwa iNkosi yetu uJesu Kristu.

Mark. 1. 15.

Luk. 24. 47. isa. 2. 38. & 18. 5.

22 Kaloku, bhekani, se ngi ya eJerusalema ngi botyiwe umoya, ngi ngazi izinto ezi za kungehlela kona: isa. 19. 21.

23 Kupela, uMoya o ingewele u ya qinisa emizini ngemizi, e ti, ku ngi hla-lele izibopo nokuhlupeka.

isa. 21. 4, 11.

1 Tes. 3. 3.

24 Kodwa a ngi kataleli nanye ya lezizinto, nokupila kwami a ngi kwenzi igugu kimi, ukuze ngi qede ukuhamba kwami ngokutokoza, nomsebenzi, engi wamkele eNkosini uJesu, wokuqinisa ivangeli lomusa ka Tixo.

isa. 21. 13.

Rome 8. 35. 2 Kor. 4. 16. 2 Tim. 4. 7.

isa. 1. 17. Gal. 1. 1. Titusi 1. 3.

25 Kaloku, bhekani, ngi yazi, a ni sa yi kubuya ni bone ubuso bami nina nonke, engi hambele pakati kwenu, ngi shumayela umbuso ka Tixo.

26 Ngako ngi ya qinisa kini ngi ti, ngi mhlope egazini labantu bonke,

isa. 18. 6.

27 Ngokuba a ngi godhlanga luto, ngi ni shumayeze intando yonke ka Tixo.

Luk. 7. 30. Ef. 1. 11.

28 Ngako zibheke ni nina, nomhlambi wonke, uMoya o ingewele a ni misile, ni be ababonisi bawo, ukuba ni bonise ibandhla lika Tixo, a li tengileyo ngezazi lake.

1 Tim. 4. 16. 1 Pet. 5. 2.

Ef. 1. 7, 14. Kol. 1. 14. Heb. 9. 12, 14.

1 Pet. 1. 19. Isam. 5. 9.

29 Ngokuba ngi yazi loku, ko ti, emva kokumuka kwami, ku ngene pakati kwenu izimpisi ezipaugayo, ezi nga u haukele umhlambi.

Mat. 7. 15.

30 Na ngapakati kwenu ba ya kusuka abantu, ba kulume okubi, ba beduse abafundi, ba ba landele.

1 Tim. 1. 20.

1 John. 2. 19.

31 Ngako lindani, ni kumbule ukuti, kwa ku iminyaka emitatu, ngobusuku na ngemini, a ngi yekanga ukubayala bonke, ngi kala izinyembezi.

isa. 19. 10.

32 Kaloku, bazalwane, ngi ya ni beka kuTiko, na sezwini lomusa wake, o namandhla okunakisa, nokunipa ifa pakati kwabo bonke abangewele.

isa. 9. 31. & 26. 18. Ef. 1. 18. Heb. 9. 15.

33 A ngi fisanga isiliva lomuntu, negolide, nezingubo.

1 Sam. 12. 3. 1 Kor. 9. 12.

2 Kor. 7. 2. & 11. 9. & 12. 17.

34 Ni yazi nina, lezizandhla zi sebe-  
nzele ukuswela kwami, nokwaba be  
nami. isa. 18. 3.

35 Ngi ni bonisile konke okuti, ngo-  
kusebenza njalo na ni siza abe nge na-  
mandhla; ni kumbule amazwi eNkosi  
uJesu, loku ya ti yona, Ku busisekile  
ukupha ku nokwamkela. Rome 15. 1.  
Ef. 4. 23. 1 Tes. 4. 11. & 5. 14. 2 Tes. 3. 8.

36 E se tyilo loku, wa guqa ngamado-  
lo, wa kuleka nabo bonke. isa. 7. 60.

37 Ba kala kakulu bonke, ba wa enta-  
nyeni ka Paule, ba m anga,

38 Be dabukile kakulu ngezwi a be li  
tyilo lokuti, a ba sa yi ku buya, ba bone  
ubuso bake. Ba m pelekezela, ba ya  
naye emkunjini.

ISAHLUKO 21.

**K**WA ti se sahlukene nabo, sa muka,  
sa qonda sa ya eKose, ngangomso  
sa ya eRode, sa suka lapo sa ya ePa-  
tara :

2 Sa fumana kona umkumbi u welela  
eFenike, sa ngena sa muka.

3 Se si bone iKupro, sa dhlula nga-  
kwesokohlo, sa qubela eSiria, sa fika  
eTire; ngokuba umkumbi wa u za kwe-  
tula kona impahla.

4 Se si tolile abafundi, sa hlala kona  
izinsuku ezi isikombisa : ba ti bona ngo-  
Moya kuPaule, a nga kupukeli eJerusa-  
lema. isa. 20. 23.

5 Nxa si qedile lezozinsuku, sa suka  
sa hamba; ba si pelekezela bonke, ka-  
nye nesifazana nabantwana, sa za sa  
fika ngapandhle komuzi; sa guqa nga-  
madolo ogwini, sa kuleka. isa. 20. 36.

6 Sa valelisana, sa ngena emkunjini  
tina, ba buyela ekaya bona. John. 1. 11.

7 Se si qedile ukuhamba ngomkumbi  
se suka eTire, sa ya sa fika eTolemai, sa  
bingelela abazalwane, sa hlala nabo usu-  
ku lwa ba lunye.

8 Ngangomso sa muka sa ya eKesaria :  
sa ngena endhlini ka Filipu umva-  
ngeli, wa kwaba isikombisa, sa hlala  
naye. Ef. 4. 11. 2 Tim. 4. 5. isa. 6. 5.

9 Lomuntu wa e namadodakazi ama-  
ne, izintombi eziprofetayo.  
isa. 2. 17. & 19. 6.

10 Kwa ti, si sa hlezi kona izinsuku  
eziningi, kwehla umprofeti, e vela eJu-  
dia, igama lake li nguAgabo. isa. 11. 28.

11 Weza kitina, wa tabata ibande lika  
Paule, wa zibopa yena izandhla nezi-  
nyawo, wa ti, U tyo uMoya o ingewe-  
le ukuti, Umnini wa lelibaude, abaJuda

ba ya kumbopa ngokunjalo eJerusalem,  
ba m nikelwe ezandhlini zabezizwe.

isa. 20. 23.

12 Se si zwile loko, sa m uceuga tina  
naba kona, ukuba a nga kupukeli eJeru-  
salema.

13 Kodwa uPaule wa pendula, wa ti,  
Nenzani, ni kala, ni pula inhliziyo ya-  
mi na? ngokuba se ngi lungele nokubo-  
tywa nokufa eJerusalem ngegama le-  
Nkosi uJesu. isa. 20. 24.

14 Kodwa, loku e nga nakwahlulwa,  
sa tula sa ti, Ma yenziwe intando ye-  
Nkosi. Mat. 6. 10. Luk. 11. 2.

15 Emva kwa lezozinsuku, sa lungisa,  
sa kupukela eJerusalem.

16 Kwa hamba nati abafundi ba se-  
Kesaria, ba si yisa kuMnasoni wa seKu-  
pero, umfundi omdala, e be si za kunge-  
nisa kuye.

17 Se si fikile eJerusalem, abazalwane  
ba samkela ngokujabula. isa. 15. 4.

18 Ngangomso uPaule wa ngena nati  
kuJakobe; a e kona namalunga onke.  
isa. 15. 13. Gal. 1. 19.

19 Wa ba bingelela, wa ba landisa  
izinto zonke ngazinye, uTixo a be ze-  
nzile ezizweni ngomsebenzi wake.

Rome 15. 18, 19. isa. 1. 17. & 15. 12.

20 Se be zwile loko, ba dumisa uTixo;  
ba ti kuye, U ya bona, mzalwane, aba-  
Juda abakolwayo ba izinkulungwane  
ezingaka, kepa bonke ba bambisisa  
umteto. isa. 22. 3. Rome 10. 2. Gal. 1. 14.

21 Kodwa ba bikelwe ngawe, ukuti, u  
fundisa abaJuda bonke aba sezizweni,  
ukuba ba hlubuke uMosi, u ti, ma ba  
nga soki abantwana babo, ba nga hambi  
ngemikuba.

22 Ku ini na? Nembala abantu ba  
ya kubutana, loku ba ya kuzwa ku tiwa  
u fikile.

23 A kwenze loku, esi ku tyoyo kuwe,  
Ku kona amadoda a kiti amane a botyi-  
we ngesifungo;

24 U wa tabate wona, u zihlambulule  
kanye nawo, u wa kokelele icala lawo,  
ukuze a pucule ikanda: kona ba ya  
kwazi bonke ukuba zi ize lezozintu, aba  
zi bikelwe ngawe; nokuba u sa hamba  
kahle u londa umteto.

Imib. 6. 2, 18. isa. 18. 18.

25 Kodwa ngabezizwe abakolwayo, se  
si lobile, sa ti, ba nga gcini luto olunjalo,  
kupela ba xwaye okuhlatyelwe otixo,  
negazi, nokuqumbeleneyo, nokuhlobo-  
nga. isa. 15. 20, 29.

26 Kona uPaule wa tabata lawama-

doda, ngangomso, e se zihlambulule kanye nawo, wa ngena etempelini, wa bika ukugecina kwezinsuku zokuhlajulu-lwa, ku ze ku nikelwe iminikelo yabo bonke. isa. 24. 18. Imib. 6. 13.

27 Kwa ti, se zi za kupela lezozinsuku, ezi isikombisa, abajuda ba seAsia, be m bonile etempelini, ba vusa abantu bonke, ba m bamba, isa. 26. 21.

28 Ba memeza be ti, Madoda a kwa Israeli, yekelelani: nangu muntu o fundisa bonke ezindaweni zonke, e pam-bene nabantu noniteto, na lendawo: futi u letile amaGrecki etempelini, wa yona lendawo engewele. isa. 24. 6.

29 (Ba be bonile ngapambili uTrofimu wa seEfsu, e naye emziini, aba be ti, uPaule u m ngenisile etempelini.) isa. 20. 4.

30 Umuzi wonke wa nyakaziswa, abantu ba tyetya ba butana: ba bamba uPaule, ba m hudulela ngapandhle kwetempeli; kwa walwa iminyango masinyane. isa. 26. 21.

31 Be sa zama ukumbulala, kwa bike-lwa enduneni enkulu yebuto ukuti, iJerusalema lonke li ya nyakaziswa:

32 Ya ti ya pangisa, ya tabata ama-butano nezinduna zekulu, yehla ya gijimela kubo: ba ti ukuibona induna enkulu namabuto ba yeka ukumtyaya uPaule. isa. 23. 27. & 24. 7.

33 Kona induna enkulu ya sondela, ya m tabata, ya yala ukuba a botywe ngamaketanga amabili; ya buza ukuba u ngubani, nokuba ku ini a kwenzileyo. isa. 20. 23.

34 Kodwa abanye ba memeza okunye, abanye okunye esixukwini: ya ti i nge nakwazi iqiniso ngenxa yomsindo, ya yala ukuba a yiswe enqabeni.

35 Kwa ti, e se fikile esikwelweni, wa twalwa amabuto ngenxa yokukandana kwabantu.

36 Ngokuba kwa landela isixuku sabantu, si ti, M suseni! Luk 23. 18. John. 19. 15. isa. 22. 22.

37 Kepa uPaule, e se za kungeniswa enqabeni, wa ti enduneni enkulu, Ngi nga kuluma nawe na? Ya ti, U ya kwazi ukukulumisa okwamaGrecki na?

38 Nembala a u siye umEgipite lo, owa banga umsindo, ku nga ka fiki lezizinsuku, wa holela ehlane izicwelecewele ezi izinkulungwane czine na? isa. 5. 36.

39 uPaule wa ti, Ngi umJuda wa se-Tarsu, umuntu wa semzini odumileyo wa seKilikia: kepa ngi ya ku ncenga,

a ke u ngi vumele ngi kulume kubantu. isa. 9. 11. & 22. 3.

40 E se m vumele, uPaule wema esikwelweni, wa qweba ngesandhla kubantu; se ku tulile kahle, wa shumayela ngolimi lwamaHeberu, e ti. isa. 12. 17.

ISAHLUKO 22.

MADODA, bazalwane, nobaba, yizwani, ukupendula kwami, engi pendula ngako kinina kaloku. isa. 7. 2.

2 Ba ti ukuzwa e shumayela kubo ngolimi lwamaHeberu, ba tula nokutula; wa ti yena,

3 Ngi umuntu o ngumJuda; nga zalwa eTarsu la seKilikia, ngondhliwa ku lomuzi, ezinyaweni zika Gamalieli; nga fundiswa ngokomiteto wa obaba kwa pelela; nga kutalela uTixo, njengani nonke namhla. isa. 21. 39. 2 Kor. 11. 22. Pil. 3. 5. 2 Ama. 4. 38. || isa. 5. 34. & 26. 5. & 21. 20. Gal. 1. 14.

4 Nga hlupa aba lendhlela ba za ba fa, nga bopa abesilisa nabesifazana, nga ba nikela etilongweni. isa. 8. 3.

5 Unpristi omkulu u ngufakazi wami, nalo lonke ibandhla lamalunga; ngamakela kubo izincwadi ezi lotyelwe abazalwane, nga ya eDamaseku, ukuba ngi ba yise eJerusalema be botyiwe labo aba be kona, ukuze ba hlutywe. Luk 22. 66. isa. 9. 2. & 26. 10, 12.

6 Kwa ti, ngi sa hamba, ngi sondela eDamaseku, nga semini enkulu, kwa ngi zuma ukukanya okukulu kwa sezulwini, kwa ngi baneka. isa. 9. 3. & 26. 12.

7 Nga wa panshi emhlabatini, ngenxa izwi li ti kimi, Sauli, Sauli, u ngi hlupelani na?

8 Nga pendula, nga ti, Nkosi, u ngubani na? Ya ti kimi, Ngi nguJesu wa seNazareta, o m hlupayo.

9 Nabo aba be nami ba bona ukukanya, besaba; kodwa a ba li zwanga izwi lokuluma nami. Dan. 10. 7.

10 Nga ti, Nkosi, ngi ya kwenzani na? Ya ti iNkosi kimi, Suka u ye eDamaseku; lapo u ya kutyelwa konke, o ku miselweyo ukuba u kwenze.

11 Kepa ngi nga sa boni ngenxa yokukazimula kwa lokokukanya, ngi holwa ngesandhla ilabo aba be nani, nga fika eDamaseku.

12 Kwa ti uAnania, umuntu oqondileyo ngokomiteto, e duuyiswa abajuda bonke aba be hlezi kona, isa. 9. 17. & 10. 22.

13 Weza kimi, wema, wa ti kimi, Sau-



li, mzalwane, buya u bone. Ngalesosi-kati nga m bheka.

14 Wa ti yena, uTixo wa obaba betu u ku misile, ukuze wazi intando yake, u m bone olungileyo, u zwe izwi la semlo-nyeni wake. isa. 3. 13. & 5. 30. & 26. 16.

1 Kor. 9. 1. & 15. 8. || isa. 3. 14. 7. 52.

1 Kor. 11. 23. Gal. 1. 12.

15 Ngokuba u ya kuba ufakazi wake kubantu bonke ngaloko okubonileyo nokuzwileyo.

isa. 23. 11. isa. 4. 20. & 26. 10.

16 Kaloku u libalelani na? suka, u bapatizwe, u zi hlambulule izono zako, u kuleke egameni leNkosi.

isa. 2. 38. & 9. 14. Heb. 10. 22.

17 Kwa ti, se ngi beyele eJerusalema, ngi sa kuleka etempelini, ngehlelwa isiyazi;

isa. 9. 26. 2 Kor. 12. 2.

18 Nga i bona iNkosi i ti kimi, Tye-tya u pume masinyane eJerusalema; ngokuba a ba yi kwamkela ukuqinisa kwako ngami.

19 Nga ti, Nkosi, ba yazi ukuba be ngi bopa, ngi tyaya abakolwa uwe, emabandhlени onke.

Mat. 10. 17.

20 Futi, lapo ku citwa igazi lika Stefane ufakazi wako, be ngi mi kona nami, ngi vumela ukubulawa kwake, nga gcina izingubo zabambulalayo.

isa. 7. 58. & 8. 1. Rome 1. 32.

21 Ya ti kimi, Hamba; ngokuba ngi za kukutuma, u ye kude ezizweni.

isa. 9. 15. & 26. 17.

Rome 1. 5. & 11. 13. & 15. 16.

22 Ba m lalela wa za wa tyo lelizwi; kona ba memeza ba ti, A ku suswe onje emhlabeni; ka fanele a pile.

isa. 21. 36. & 25. 24.

23 Be sa memeza, ba sakaza izingubo zabo, be tuquza utuli pezulu,

24 Induna enkulu ya yala ukuba a ngeniswe enqabeni, ya ti ma ka buzwe ngokutyaywa ngezinduku; ukuze i zwe isici sokuba be memeza kangaka ngaye.

25 Be sa m elula ngezintambo, uPaule wa ti enduneni yekulu e mi kona, Ku vunyelwe ini, ukuba ni tyaye umuntu o ngumRoma, e nga lahlwanga icala lake na?

isa. 16. 37.

26 Induna yekulu i zwile loko, ya ya ya tyala induna enkulu, ya ti, U za kwenzani na? Lomuntu u ngumRoma.

27 Yeza induna enkulu, ya ti kuye, Ngi tyele, u ngumRoma na? Wa ti; Yebo.

28 Ya pendula induna enkulu, ya ti,

Labubupakati nga bu tenga ngemali eningi. Wa ti uPaule, Nga zalwa nabo mina.

29 Lapo aba be za kumbuza besuka kuye: induna enkulu yesaba, yazi ukuba u umRoma, na ngokuba i bi m bopile.

30 Ngangomso, i tanda ukuzwa iqini-so lokuba wa mangalelwa ngani aba-Juda, ya m kumala izibopo, ya yala ukuba ku butane abapristi abakulu nompakati wonke; ya m ehliisa uPaule, ya m beka panibi kwabo.

## ISAHLUKO 23.

**K**ONA uPaule e bhekisisa umpakati, wa ti, Madoda, bazalwane, ngi hambile, ngi nenhliziyo elungileyo pambi kuka Tixo, ku ze ku be namhla.

isa. 24. 16. 1 Kor. 4. 4. 2 Kor. 1. 12. & 4. 2

2 Tim. 1. 3. Heb. 13. 18.

2 Wa ti umpristi omkulu, uAnania, wa ba tyela aba be mi kuye ukuba ba m tyaye umlomo.

1 Ama. 22. 24.

3 Kona uPaule wa ti kuye, uTixo wo ku tyaya wena, ludonga oluhluqiwe ngobumhlope; u hlalela ini ukuteta icala lami ngomfeto, u ti, a ngi tyaywe, u nquma ngokupambene nomfeto, na?

Dut. 25. 1, 2. John. 7. 51.

4 Ba ti abemiyo kona, U ya tuka umpristi omkulu ka Tixo na?

5 Wa ti uPaule, Be ngi ngazi, bazalwane, ukuba u umpristi omkulu: ku lotyiwe ukuti, U nga kulumi kabi ngombusi wabantu ba kini.

isa. 24. 17. Eks. 22. 28. Ums. 10. 20.

6 uPaule se e bonile ukuba abanye ba ngabaSaduse, nabanye abaFarisi, wa memeza empakatini, wa ti, Madoda, bazalwane, ngi ngumFarisi, indodana yomFarisi; ngokwetemba nokuvuka kwabafileyo ngi mangalelwe.

isa. 24. 15. 21. & 26. 5, 6. & 28. 20. Fil. 3. 5.

7 Se e tyilo loku, kwa vela ukupikisana kubaFarisi nabaSaduse; abantu ba hlukana.

8 Ngokuba abaSaduse be ti, a ku ku ukuvuka kwabafileyo, a ku ko nengelosi, nomoya: kepa abaFarisi ba vuma kokubili. Mat. 22. 23. Mark 12. 18. Luk. 20. 27.

9 Kwa ba kona umsindo omkulu: ababili ba kubaFarisi besuka, ba pika, be ti, A si boni icala ku lomuntu: uma umoya u kulumile naye, nokuba ingelosi, ma si nga lwi noTixo.

isa. 5. 39. & 22. 7, 17, 18.

10 Se ku vukile ukupikisana okukulu, induna enkulu yesaba i ti, uPaule u za

kudatyulwa ibo, ya tyela impi ukweuka, i m kipe pakati kwabo, i muke naye, i m yise enqabeni.

11 Ngobusuku obulandelayo, iNkosi yema kuye, ya ti, Yima isibindi; nje-ngaloku u qinisile ngami eJerusalema, ku njalo wo qinisa na seRoma.

isa 18. 9. & 27. 23, 24.

12 Kwa ti se ku sile, abaJuda benza icebo, ba zibopa ngokufunga, ba ti, a ba yi kudhla, a ba yi kupuza, be nga ka m bulali uPaule.

isa. 25. 3.

13 Labo aba benzile lelocebo ba dhlula amashumi amane ngobuningi.

14 Ba ya kubakonzi abakulu na kumalunga, ba ti, Si zibopile ngokufunga kokuti, a si yi kuzwa ukudhla si nga ka m bulali uPaule.

15 Ngako nina, kanye nompakati ma ni tyele induna enkulu, ukuba i m ehli-sele kini, kungati be ni za kubuzisisa futi ngaye; se si lungele tina ukumbula, e nga ka sondeli.

16 Kepa indodana ka dade wabo ka Paule yezwa ngokulinda kwabo, ya ya u ngena enqabeni, ya bika kuPaule.

17 Kona uPaule wa biza induna yekulu, wa ti, Yisa lensizwa enduneni enkulu; i nendaba yokubika kuyo.

18 Ya i tabata, ya i yisa enduneni enkulu, ya ti, uPaule, isibotyiswa, wa ngi biza, wa ti, a ngi lete lensizwa kuwe, i nendaba yokukutyela.

19 Kona induna enkulu ya i tabata ngesandhla, ya puma nayo be bodwa, ya buza ya ti, Indabani le, o za kungibikela yona na?

20 Ya ti, abaJuda ba vumelene ukucela kuwe, ukuba u m ehliise uPaule ngomso, eze empakatini, kungati ba za kubuzisisa futi ngaye.

21 Kepa ma u nga ba vumeli; ngokuba ba kona abantu ba kubo aba dhlula amashumi amane, aba m qamela, ba zibopile ngokufunga, ba ti a ba yi kudhla, a ba yi kupuza, be nga ka m bulali; kaloku se be lungele, ba bheka ukuvuma kwako.

22 Kona induna enkulu ya i mukisa insizwa, ya i yala, i ti, U nga tyeli muntu ukuba u ngi bikele loku.

23 Ya biza izinduna ezimbili zekulu, ya ti, Lungisani amabuto amakulu amabili, nabamahashi ba be mashumi a isikombisa, nabemikonto ba be makulu amabili, ba suke ba ye eKesaria ngehora lesitatu la sebusuku;

24 Ni ba nike izilwane, ukuba ba m

kwelise uPaule, ba m yise kahle kuFelise umbusi.

25 Ya loba inewadi yokuti,

26 uKlaudia Lisia u ya m bingelela uFelise, umbusi odumileyo.

27 Lomuntu wa banjwa abaJuda, wa be za kubulawa ibo: nga fika nempi, nga m kulula ngi zwile ku tiwa u umRoma.

isa. 21. 33. & 24. 7.

28 Be ngi tanda ukuzwa icala aba m mangalela ngalo, nga m ehli-sela empakatini wa kubo.

isa. 22. 30.

29 Nga bona e mangalelwa ngemibuzo yomteto wa kubo, kepa e nge naceala la luto olufanele ukufa nokubotywa.

isa. 18. 15. & 25. 19. & 26. 31.

30 Se ngi bikelwe icebo, eli za kwenziwa abaJuda ku lomuntu, nga tumela kuwe masinyane, ngi ba yalile abameebayo, ba ye ba laude icala lake pambi kwako. Sala kalile.

isa. 24. 8. & 25. 6.

31 Kona amabuto, njengaloku a ku yalélweyo, a m tabata uPaule, a m yisa eAntipatri ebusuku.

32 Ngangomso a shiya abamahashi, ba hambe naye, a buyela enqabeni wona.

33 Labo se be fikile eKesaria, ba nika umbusi inewadi, ba m misa uPaule pambi kwake.

34 Umbusi, se e fundile inewadi, wa buza, ukuba owa lipi izwe. E zwile ku tiwa u ngowa seKilikia;

isa. 21. 39.

35 Wa ti, Ngì ya kuzwa indaba yako, lapo se be fikile abakucebayo. Wa yala ukuba a londwe esigodhlweni sika Herodi.

isa. 24. 1, 10. Mat. 27. 27.

## ISIAHLUKO 24.

**K**WA ti ngasemva kwezinsuku ezi isihlanu, kweuka uAnania, umpristi omkulu, kanye namalunga, nommeli o tiwa uTertulu; labo ba ya, ba mangalela uPaule kumbusi.

isa. 21. 27. & 23. 2, 30, 35.

& 25. 2.

2 Se e biziwe, kwa qala uTertulu ukumceba, e ti,

3 E, Felise odumileyo, loku si noku-tula okukulu, nobuhle obuningi obu senzelwe lesisizwe ngokuqonda kwako, ezintweni zonke na sezindaweni zonke, si ya kwamukela, si borga nokubonga.

4 Kodwa ukuba ngi nga be ngi sa ku libazisa, ngi ya ku neenga u ze u si zwe amazwana ngomusa wako.

5 Si m fumene lomuntu e ishingana, e vasa umisindo kubaJuda bonke aba sezweni lonke, e inhloko yohlobo lwama-Nazareta: isa. 17. 6. & 21. 28. 1 Pet. 2. 12, 15.

6 Wa linga nokudumaza itempeli; sa m bamba, [be si tanda ukumahlulela ngomteto wetu: isa. 21. 28. John. 18. 31.

7 Keba uLisia, induna enkulu, wa m susa ezandhleni zetu ngamanhla amakulu, isa. 21. 33.

8 E tyela abamcebayo ukuba beze kuwe]. Ngokumbuzisisa u ngazi wena izinto zonke, esi m ceba ngazo. isa. 23. 30.

9 abaJuda ba hlangani naye, ba ti, Yebo, ku njalo.

10 Kona uPaule, umbusi e se m qwebele ukushumayela, wa pendula wa ti, Loku ngi yazi ukuba se ku iminyaka eminingi u umahluli wena wa lesisizwe, ngi ya zipendulela ngokutokoza okukulu.

11 Ngokuba u nga kwazi ukuti, izinsuku ezi ishumi nambili kupela, iloku nga kupuka ngi ya kukuleka eJerusalem. isa. 21. 26.

12 A ba zanga ba ngi fumane etempelini ngi pikisana nomuntu, ngi vusa abantu, na sezindhlini zokusonta, na semziini: isa. 25. 8. & 28. 17.

13 Ba nge qinise lezizinto, aba ngi ceba ngazo.

14 Keba ngi ya vuma loku kuwe, ukuti, ngendhlela aba ti bona yedukile, ngi ya m konza ngokunjalo uTixo wa obaba, ngi kolwa konke okulotyweyo emetweni na kubaprofeti: isa. 9. 2.

2 Tim. 1. 3. || isa. 26. 22. & 28. 23.

15 Ngì netemba kuTixo, aba li vumayo nabo, lokuti, ku ya kuba kona ukuvuka kwabafileyo, nokwabalungileyo, nokwabangalungile. isa. 23. 6. Dan. 12. 2. John. 5. 28, 29.

16 Njalo ngi ya zama ukuba ngi be nehhliziyo e nge nacala kuTixo, na kubantu ngezikati zonke. isa. 23. 1.

17 Kwa ti ngasemva kweminyaka eminingi, nga fika ukuleta izipo esizweni sa kiti, nokutela iminikelo.

isa. 11. 29, 30. & 20. 16. Rome 15. 25.

2 Kor. 8. 4. Gal. 2. 10.

18 Ikonake ba ngi fumana ngi hlanjululwe etempelini, ngi nge nasixuku, ngi nge namsiudo, kepa ba be kona abaJuda abatile ba seAsia: isa. 21. 26, 27. & 26. 21.

19 Aba fanele ukuba kona pambi kwa-ko, ba ngi cebe, uma be nendaba kimi.

isa. 23. 30. & 25. 16.

20 Na laba ma ba tyo bona, ba fumene isono sini kimi, ngi se mi empakatini.

21 Ngapandhle kwa lelizwi lodwa, enga li memezayo ngi mi pakati kwabo,

lokuti, Ngokuvuka kwabafileyo ngi mangalelwa inina namhla. isa. 23. 6. & 28. 20.

22 Keba uFelise wa ba libazisa, e zazisa kahle izinto za lendhlela, e ti, Lapo uLisia induna enkulu e seukile, ngi ya kubuzisisa futi indaba yenu.

23 Wa yala induna yekulu ukuba uPaule a geinwe, a kululeke, ku nga nqatyelwa umuntu wa kubo ukumkonza nokuza kuye. isa. 27. 3. & 28. 16.

24 Ngasemva kwezinsuku ezitile, wa fika uFelise nomkake uDrusila, o ngumJuda, wa biza uPaule, wa m lalela ngokukolwa uKristu.

25 E sa shumayela ngokulunga, ua ngokuzikuzi, na ngokwahlula okuzayo, uFelise wa tutumela, wa pendula, wa ti, A ke u hambe manje; nxa ngi nesikati esifaneleyo ngi ya kukubiza.

26 Wa etemba e ti u ya kupiwa uPaule imali, ukuba a m kulule: ngako wa m biza kaningi, wa kuluma naye.

Eks. 23. 8.

27 Se ku pelile iminyaka emibili, uPorkio Festu wa ngena esikundhleni sika Felise: uFelise e tanda ukubongwa abaJuda, wa m shiya uPaule e botyiwe.

isa. 12. 3. & 25. 9.

## ISAHLUKO 25.

**K**WA ti uFestu, e se fikile ku lelilizwe, ngasemva kwezinsuku ezintatu, wa puma eKesaría, wa kupukela eJerusalem.

2 Kona umpristi omkulu nezikulu za-baJuda, ba mangalela uPaule kuye, ba m neenga, isa. 24. 1.

3 Ba cela into ngaye, yokuba a m bize, eze eJerusalem, be m linda ukuba ba m bulale endhleleni. isa. 23. 12.

4 uFestu wa pendula wa ti, ka geinwe uPaule eKesaría, e ti, u za kupuma, a ye kona masinyane.

5 Wa ti, Abanamandhla pakati kwenu ma beuke nami, ba cebe lomuntu, uma li kona icala kuye. isa. 18. 14.

6 Wa hlala nabo izinsuku ezi dhlula ishumi, kona wehlela eKesaría; ngangomso wa hlala esihlalweni sokwahlula, wa ti a letwe uPaule.

7 Se e fikile yena, abaJuda abehlile eJerusalem, bema kona, ba m twesa uPaule amacala amaningi anzima, aba nge nakuwaqinisa. Mark 15. 3

Luk. 23. 2, 10. isa. 24. 5, 13.

8 Wa pendula yena wa ti, A ngonanga luto, na semteweni, na setempelini, na kuKesarí. isa. 6. 13. & 24. 12. & 28. 17.

9 Kepa uFestu, e tanda ukubongwa abaJuda, wa pendula kuPaule, wa ti, U ya tanda ukukupukela eJerusalema, u buzwe kona pambi kwami nga lezizinto na? isa. 24. 27.

10 Wa ti uPaule, Ngi semi pambi kwesihlalo sika Kesari, lapa ku fanele ngi buzwe kona : a ngonanga luto kubaJuda, njengaloku u yazi kahle nawe.

11 Uma ngonile, ngenza uto olu fanele ukufa, a ngi ngabi ukufa; kodwa uma i nge ko into ezintweni, aba ngi ceba ngazo, a ku ko muntu o nga ngi nikela kubo. Ngi ya kuya kuKesari. isa. 18. 14. & 28. 19.

12 Kona uFestu, e se kulumile nompakati, wa pendula wa ti, U ti, u ya kuya kuKesari; ngi ya vuma, u ya kuya kuKesari.

13 Se ku dhlule izinsuku ezitile, uAgripa inkosi noBernike ba fika eKesaria, beza kubingelela uFestu.

14 Se be hlezi kona izinsuku eziningi, uFestu wa i tyela inkosi indaba ka Paule, wa ti, U kona ununtu owa shiwaya uFelise, e botyiwe. isa. 24. 27.

15 Kwa ti, ngi seJerusalema, abapristi abakulu namalunga abaJuda ba m mangalela, be nxusa ukuba a lahlwe.

16 Nga pendula kubo, nga ti, A siko ukwenza kwamaRoma ukunikela umuntu ekufeni, o mangalelwayo e nga ka bi nabamangaleleyo pambi kwake, a vunyelwe ukuzipendulela ngendaba a mangalelwe ngayo.

17 Ngako se be fikile lapa, a ngi libalanga, ngangomso nga hlala esihlalweni sokwahlula, nga ti a letwe lomuntu.

18 Se be suke be ma abamngalelwayo, a ba ze ba tyo icala la lezizinto, e be ngi zi bhekile :

19 Kodwa ba m ceba ngemibuzo etile yeukonzo yakubo, na ngoJesu, owa be file, a ti uPaule, u kona. isa. 18. 15. & 23. 29.

20 Loku ngahluleka ukubuza okunje, nga buza uma e tanda ukuya eJerusalema, a buzwe nga lezizindaba.

21 Kepa loku uPaule e be tyo e ti a geinwe, ukuze icala li tette uAgustu, nga yala ukuba a geinwe, ngi ze ngi m tumele kuKesari.

22 Wa ti uAgripa kuFestu, Ngi ya tanda nami ukuzwa lomuntu. Wa ti, Ngangomso u ya kumuzwa. isa. 9. 15.

23 Kwa ti ngangomso, se be fikile uAgripa noBernike, be ze nemiikosi emikulu, lapo be ngenile enkantolo ka-

nye neziuduna ezinkulu nabantu abakulu ba lomuzi, wa ngeniswa uPaule ngezwi lika Festu.

24 Wa ti uFestu, Nkosi Agripa, nani nonke madoda a lapa nati, ni ya bona lomuntu engi nxuswe ngaye ibandhla, lonke labaJuda, na seJerusalema, na lapa, ba memeza, be ti, ka sa fanele a be e sa pila. isa. 22. 22.

25 Kepa loku ngi m fumene e ngenzanga uqo olu fanele ukufa, naye e nxuse ukuya kuKesari, ngi ti ngi ya kumtuma. isa. 23. 9, 29. & 26. 31.

26 Kepa a ngi naqiniso lokuloba ngaye enkosini. Ngako ngi m letile pambi kwenu, na pambi kwako, uqobo, Nkosi Agripa, ukuze ku ti, se ku buzisiwe ngi be nendaba yokuloba.

27 Ngokuba ngi ti, a ku qondeki ukutuma isibotywa, ngi nga biki amacala aso.

#### ISAHLUKO 26.

**W**A ti uAgripa kuPaule, Ku vunyelwe u zikulumele. Kona uPaule welula isandhla, wa zipendulela, wa ti,

2 Nkosi Agripa, ngi nenhlanhla, ngokuba ngi za kuzipendulela namhla pambi kwako, ngazo zonke izinto engi mangalelwa abaJuda ngazo :

3 Kakulu, loku u yazisa imikuba nemibuzo yonke yabaJuda: njalo ngi ya ku ceenga ukuba u ngi lalele ngokubekezela.

4 Ukuhamba kwami kwa sebutyeni bami, okwa qala kwa ba pakati kwesizwe sa kiti eJerusalema, ba ya kwazi bonke abaJuda ;

5 Aba be ngazi, uma be tanda ukuqinisa, ukuba be ngi ngumFarisi uqobo ngemikuba ya kiti. isa. 22. 3. & 23. 6. Fil. 3. 5.

6 Na kaloku se ngi mi, ngi mangalelwe ngetemba lesitembiso, obaba betu aba tenjiswa uTixo ngaso. Gen. 3. 15. Rome 15. 8. Titusi 2. 13.

7 Izizwe za kiti ezi ishumi nambili zetemba ukufinyelela kusona, zi qinisa ukukonza ebusuku na semini. Nkosi Agripa, nga lelitemba ngi mangalelwe abaJuda. Jak. 1. 1. Luk. 2. 37. Fil. 3. 11.

8 Ni tyoloni ukuti, ku into engetembekiyo yokuti, uTixo u za kuvusa abafileyo na ?

9 Nami be ngi ti nga ngenza izinto eziningi ezi pambana negama lika Jesu wa seNazareta. 1 Tim. 1. 13.

10 Nga be ngenza njalo eJerusalema; abaningi abalungileyo nga ba valela eti-

longweni, ngi piwe amandhla abapristi abakulu; na lapo be bulawa nga vuma.

isa. 8. 3. & 9. 14, 21. & 22. 5.

11 Nga ba hlupa futifuti emabandhile-ni onke, nga ba sindezela ba za ba tuka; nga ba xotya kwa za kwa ba emzini e ngapandhle.

isa. 22. 19.

12 Njalo ngi sa ya eDamaseku, ngi piwe amandhla nezwi abapristi abakulu,

isa. 9. 3. & 22. 6.

13 Kwa ti emini enkulu, ngi sendhile- leni, Nkosi, nga bona ukukanya okwa sezulwini, ku dhlula ukukazimula kwe- langa, kwa kanya kimi na kwaba be ha- mbi nami.

14 Sa wa pansi sonke, ngezwa izwi li shumayela kimi, li ti ngolimi lwama- Heberu, Sauli, Sauli, u ngi hlupelani na? Ko ba lukuni kuwe ukukahlela ezinejini.

15 Nga ti, Nkosi, u ngubani na? Wa ti, Ng nguJesu o m hlupayo.

16 Kodwa, suka u me ngezinyawo za- ko: ngokuba ngi bonakele kuwe nga lo- ku, ukuba ngi ku mise, u be isikonzi nofakazi wa lezizinto o zi bonileyo, na lezo engi ya kubonakala kuwe ngazo;

isa. 22. 15.

17 Ng ku kulula kubantu na kwabe- zizwe, engi ku tumela kubo,

isa. 22. 21.

18 Ukuvula amehlo abo, ukuba ba pen- duke ebumnyameni, ba ye ekukanye- ni ba penduke amandhleri kaSatani, ba ye kuTixo, ukuze ba tetelelwe izono, ba dhle ifa pakati kwabangewele ngokwe- temba kimi. Isai. 35. 5. & 42. 7. Luk. 1. 79.

John. 8. 12. 2 Kor. 4. 4. 1 Tes. 5. 5.

2 Kor. 6. 14. Ef. 4. 18. & 5. 8. 1 Pet. 2. 9.

isa. 20. 32.

19 Njalo, Nkosi Agripa, a ngi pika- nga isibonakaliso sa sezulwini.

20 Kodwa nga qala nga shumayela kwaba seDamaseku, na seJerusalema, na kulo lonke izwe la seJudia, na sezi- zweni, ukuba ba penduke, ba guqukele kuTixo, benze imisebenzi e fanele uku- penduka.

isa. 9. 20, 22, 29. & 11. 26.

21 Nga loko abaJuda ba ngi bamba etempelini, ba linga ukungibulala.

isa. 21. 30. 31.

22 Kepa, loku ngi sizwe uTixo, ngi se mi na namhla, ngi qinisa na kwabanci- nyane na kwabakulu, ngi nga tyo luto ngapandhle kwa loko, okwa shunya- yelwa abaprofeti noMosi, aba ti ku ya kwenzeka:

Luk. 24. 27, 44.

isa. 24. 14. & 28. 23.

23 Ukuti, uKristu nga e hlupeka, a be

owokuqala ngokuvuka kwabafileyo, a shumayele ukukanya kubantu na kwa- bezizwe.

1 Kor. 15. 20. Kol. 1. 18.

Isam. 1. 5. Luk. 2. 32.

24 E sa zikulumela njalo, uFestu wa ti ngezwi elikulu, Paule, u ya hlanya; ukufunda okuningi ku ya ku hlanyisa.

2 Ama. 9. 11. John. 10. 20.

1 Kor. 1. 23. & 2. 14. & 4. 10.

25 Wa ti yena, Festu odumileyo; a ngi hlanyi, kepa ngi kuluma amazwi a neqiniso nokuqonda.

26 I yazisa lezizinto inkosi, engi shu- mayela pambi kwabo ngesibindi: ngo- kuba ngi yazi, a i ko into ku lezizinto e fihlekile kuyo; ngokuba loku a kwe- nzekanga egumbini.

27 Nkosi Agripa, u ya kolwa aba- profeti na? Ng yazi u ya kolwa.

28 Wa ti uAgripa kuPaule, Se u ponse u ngi pendula, ngi be umKristu.

29 Wa ti uPaule, Ng nga kuleka ku- Tixo, ukuba ku nga bi uweni wedwa, ku be ibo bonke aba ngi zwayo namhla, nga be nga ponsi, nga be ba njengami isibili, be nge nazo lezizibopo.

1 Kor. 7. 7.

30 Kona kwa suka inkosi, nombusi, noBernike, nabo aba be hlezi nabo:

31 Se be pumile be bodwa, ba kuluma, ba ti, Lomuntu a kenzanga luto, olu fanele ukufa nokubotywa.

isa. 23. 29. & 25. 25.

32 Wa ti uAgripa kuFestu, Lomuntu nga e kululwa, uma wa e nga tyongo u ya kuya kuKesari.

isa. 25. 11.

## ISAHLUKO 27.

**K**WA ti, se ku nqunyiwe ukuba si muke si ye eItalia ngomkumbi, ba nikela uPaule nezinye izibotywa endu- neni yekulu, e tiwa uJulio, yesigaba sika Kesari.

isa. 25. 12, 25.

2 Sa ngena emkunjini wa seAdrami- tio, sa muka, be si ti, si za kuya nga sezweni la seAsia: sa hamba noAri- staku, umMakedonia wa seTesalonika.

isa. 19. 29.

3 Ngangomso sa fika eSidone. uJulio wa m pata kahle uPaule, wa m vumela ukuya ezihlotyeni a konzwe izo.

isa. 24. 23. & 28. 16.

4 Sa suka kona, sa ya sa dhlula enza- nsi kweKupro, ngokuba umoya wa u pambene nati.

5 Se si welile ulwandhle lwa seKilikia nePamfilia, sa fika eMira la seLikia.

6 Ikona induna yekulu ya fumana

umkumbi wa seAlesandria o ya eItalia :  
ya si ngenisa kuwo.

7 Kepa sa hamba kaneinyane izinsu-  
ku eziningi, sa fika ngobunzima nga se-  
Nidu ; umoya u nga si vumeli, sa dhlula  
enzansi kweKrete nga seSalmone.

8 Sa dhlula kona ngokunqala, sa fika  
endaweni okutiwa iTeku elihle ; okwa  
ku seduze nalo umuzi o iLlasi.

9 Se ku dhlulile isikati eside, futi se  
ku ingozi ukuhamba ngomkumbi, ngo-  
kuba se ku dhlulile umhlango woku-  
zila ukudhla, uPaule wa ba luleka,

10 Wa ti kubo, Madoda ngi ya bona  
lokukuhamba ku za kuba nokwenza-  
kala nokucitakala okukulu, a ngi tyo  
okwempahla nokomkumbi wodwa, ngi  
ti nako okokupila kwetu.

11 Kodwa induna yekulu ya lalela  
inkosi yomkumbi nominiwo, ku na  
loko okwa shunyayelwa uPaule.

12 Loku iteku la be li nga lungele  
ukuhlala kona ebusika, abaningi ba ti  
ma ba muke kona, ukuba ku nga ti ba  
fike eFenike, ba hlale kona ebusika, oku  
iteku la seKrete, eli bheka nga seningi-  
zimu na nga setyisandhlu.

13 Ingingizimu i sa pepeta kahle, ba  
cabanga ba ti ba ku zuzile, aba ku  
funayo, besuka, ba dhlula eduze ne-  
Krete.

14 Kodwa emva kwesikatyana umku-  
mbi wa betwa umoya omkulu, o tiwa  
Uroklidoni.

15 Kepa umkumbi se u banjwa, u nga  
se nakubhekana nomoya, sa u yeka sa  
qutywanje.

16 Sa ya sa fika enzansi kwesiqingana,  
esi tiwa uKlaude, sa sindisa isikepe  
ngokuzama nokuzama.

17 Ba si pakamisa, ba pata izinto zo-  
kusiza, ba u bopa umkumbi ngapansi ;  
besabe, ku nga ti ba bitye esihlabatini,  
ba zeusa izindwangu, ba qutywa nje.

18 Sa qutywa umoya kakulu, kwa ti  
ngangomso ba pungula impahla.

19 Ngolwesitatu sa lahla izinto zo-  
mkumbi ngezandhla zetu. Jona 1. 5.

20 Kwa ti, ku nga sa bonakali ilanga  
nezinkanyezi ngezinsuku eziningi, si  
qinisa isipepo, sa lahlekelwa itemba lo-  
nke lokusindiswa.

21 Se ku zilwe ukudhla isikati eside,  
kona uPaule wema pakati kwabo, wa ti,  
Madoda, nga be na lalela mina, ni nga  
muki eKrete, ni pepe lokukwenzakala  
nokucitakala.

22 Kaloku ngi ya ni yala ukuba ni

me isibindi : ngokuba ka yi kufa umu-  
ntu kini, umkumbi kupela.

23 Ngokuba be ku kona kimi nga lo-  
bubusuku ingelosi ka Tixo, engi ngo-  
wake, nengi m konzayo, isa. 23. 11.

Dan. 6. 16. Rome 1. 9. 2 Tim. 1. 3.

24 Ya ti, U ngesabi, Paule ; u za kuyi-  
swa pambi kuka Kesari ; bhkakac,  
uTixo u ku nikile bonke labo aba ha-  
mba nawe.

25 Ngako, madoda, yimani isibindi ;  
ngokuba ngi ya kolwa uTixo, ukuti, ku  
ya kuba njengokutyiwo kimi. Luk. 1. 45.

26 Kepa si za kulahleleka esiqingini  
esitile. isa. 28. 1.

27 Njalo, se ku fikile ubusuku beshu-  
mi nane, si sa zula eAdria, kwa ti pa-  
kati kobusuku, abomkumbi ba cabanga  
ba ti, ku seduze izwe eli tile ;

28 Ba ponsa uhlamvu, ba bona lu  
tyone amafatome amashumi amabili ;  
ba quba incozana, ba ponsa uhlamvu  
futi, ba bona lu tyone amafatome a  
ishumi nesihlanu.

29 Besaba ukuba ku nga ti si tyayeke  
emadwaleni, ba ponsa izankora ezine  
ngasemva komkumbi, ba fisa ukuba  
ku se.

30 Abomkumbi be sa funa ukubaleka  
emkunjini, se behlisele isikepe ema-  
nzini, be zenzisa ba ti ba za kwelisa  
izankora ngapambili,

31 Wa ti uPaule enduneni yekulu na  
semabutweni, Uma laba be nga hlali  
emkunjini, ni nge sindiswe.

32 Kona amabuto a nguma izintambo  
zesikepe, a si yeka sa wa.

33 Kwa ti lapo se ku za kusa, uPaule  
wa ba ncenga bonke ukuba ba dhle  
ukudhla, e ti, Namhla ku usuku lwe-  
shumi nane ni lindile, ni hlezi ni zila, ni  
nga dhli luto.

34 Ngako ngi ya ni ncenga ukuba ni  
dhle : ngokuba loku ko ni lulamisa : a  
ku yi kulahleka ekanda nolodwa unwele  
lomuntu kinina. I Ama. 1. 52.

35 E se shumayela njalo, wa tabata  
isinkwa, wa bonga uTixo pambi kwabo  
bonke, wa si hlepula, wa qala ukudhla.  
1 Sam. 9. 13. Mat. 15. 36. 1 Tim. 4. 3. 4.

36 Kona ba tokoza bonke, ba dhla.

37 Tina sonke esa si kona emkunjini,  
be si ngamakulu amabili namashumi a  
isikombisa nesitupa. isa. 2. 41. & 7. 14.

Rome 13. 1. 1 Pet 3. 20.

38 Se be suti ukudhla, ba pungula  
impahla emkunjini, be cita amabele  
emanzini.

39 Kwa ti se ku sile, ba be nga lazi izwe: kodwa ba bona iteku eli nogu, ba tanda ba ti, uma ku ngenzeka, ba za ku qubela umkumbi kulo.

40 Ba nguma izankora; ba zi yeka zi cwila elwandhle emanzini, ba tukulula izintambo zamapini okutyengisa, ba pakamisela emoyeni indwangu ya pambili, ba qonda ogwini.

41 Se be fikile endaweni yokuhlanga-na kwamanzi, umkumbi wa kahleleka pansi; wema u gxilile, kepa ngasemva wa pulwa ngamandhla amaza.

2 Kor. 11. 25.

42 Amabuto a ceba icebo lokuba ku bulawe izibotywa, funa ezinye zi baleke ngokuhlamba.

43 Kodwa induna yekulu, i tanda uku-sindisa uPaule, ya vimbela ukuceba kwawo, ya ti labo aba kwazi ukuhlamba, ba ziponse emanzini kuqala, ba pumele ngapandhle:

44 Nokuba abaseleyo ba pume, abanye ngamapulangwe, nabanye ngezineezu zomkumbi. Njalo bonke ba pumela ngapandhle be sindile.

ISAHLUKO 28.

**K**WA ti se be sindile, bazi ukuba isiqingini si tiwa iMelita.

isa. 27. 26.

2 Aba sezweni ba si pata ngomusa omkulu, ba basa umlilo, ba samkela sonke, ngokuba li na ku makaza.

Rome 1. 14. 1 Kor. 14. 11. Kol. 3. 11.

3 uPaule e se cakatyile ifingo lezinkuni, e be zi bekile emlilweni, kwa puma inyoka ngokufudumala, ya namatela esandhleni sake.

4 Aba sezweni se be bouile isilwane si jika esandhleni sake, ba kuluma bodwa ba ti, Impela lomuntu u ngumbulali; noma e sindile elwandhle, impindiso a i vumi ukuba a pile.

5 Kepa wa si nikinela isilwane emlilweni, e ngezwa cala.

Mark 16. 18.

Luk. 10. 19.

6 Kepa ba bheka ba ti, u za kuvuvuka, nokuba u za kuwa pansi a fe kona lapo. Se be bhlekile isikati eside, be bona ku nga m fikeli ingozi, ba penduka ba ti, u ngutixo.

isa. 14. 11.

7 Kwa ku kona ku leyondawo umuzi wankosi yesiqingini igama layo li nguPublio, owa samkela, wa si hlalisa kahle izinsuku ezintatu.

8 Kwa ti uyise ka Publio wa e lele e kwelwa umkuhlane nembo: uPaule

wa ngena kuye, wa kuleka, wa beka izandhla pezu kwake, wa m pilisa.

Mark 16. 18. isa. 19. 11, 12. 1 Kor. 12. 9, 28.

Jak. 5. 14, 15.

9 Se kwenziwe loko, beza nabanye aba be nezifo aba sesiqingini, ba sindiswa.

10 Ba si bonga ngezinto eziningi; na sekumukeni kwetu ba si twesa izinto esi zi dingayo.

Mat. 15. 6.

11 Kwa ti emva kwezinyanga ezintatu sa muka ngomkumbi wa seAlesandria owa u hlezi esiqingini ebusika, u nopau olu ti oDioskuri.

12 Se si fikile eSirakuse, sa hlala kona izinsuku ezintatu.

13 Sa suka lapo, sa zekelela, sa fika eRegio; se ku dhlule usuku lwa ba lunye, kwa pepeta iningizimu, ngolwesibili sa fika ePuteoli.

14 Sa fumana kona abazalwane, sa nxuswa ukuhlala nabo izinsuku ezi isikombisa: njalo sa hamba si qonda eRoma.

15 Kwa suka kona abazalwane, se be zwile indaba ngati, beza kusihlangabeza ba za ba fika eForumapi, na seTaberntatu; e ba bona uPaule, wa bonga uTixo, wema isibindi.

16 Se si fikile eRoma, [induna yekulu wa nikela izibotywa enduneni yabalingi: kodwa] uPaule wa vunyelwa a zihambele yena, nebuto eli m lindayo.

isa. 24. 23. & 27. 3.

17 Kwa ti emva kwezinsuku ezintatu, uPaule wa biza izikulu zabaJuda. Se zi butene wa ti kuzo, Madoda, bazalwane, noma ngi ngenzanga luto olu pambene nabantu, nemidabuko yobaba betu, nga suswa eJerusalem ngi botyiwe, nga nikelwa ezandhleni zamaRoma.

isa. 24. 12, 13. & 25. 8.

18 Lawo, e se ngi buzisile, a tanda ukungikulula, ngokuba ku nge ko kimi icala eli fanele ukufa.

isa. 26. 31.

19 Se be pikile abaJuda, nga qutywa ukuya kuKesari, ku nge ngokuti ngi noto lokuceba isizwe sa kiti.

isa. 25. 11.

20 Ku njalo nga leyondaba ngi ni bizile, ukuba ngi ni bone, ngi kulume nani: ngenxa yetemba lika Israeli ngi botyiwe nga lesisibopo.

isa. 26. 29. Ef. 3. 1. 2 Tim. 1. 16.

21 Ba ti kuye, A samkelanga izinewadi ngawe ezi vela eJudia; ka fikanga umuntu wa kubazalwane owa bika, wa shumayela okubi ngawe.

22 Kodwa si ti ku fanele si zwe ngawe, ukuba u tini: ngokuba si yazi ku pikwa loluhlobo ezindaweni zonke.

Luk. 2. 34.

23 Se be m misele usuku, kwa fika kuye endhlini abaningi; wa shumayela kubo e qinisa indaba yombuso ka Tixo, wa ba ncenga ngezindaba zika Jesu za semtetweni ka Mosi, na kubaprofeti, wa qala ekuseni wa shumayela la za la tyona.

Luk. 24. 27. isa. 17. 3. & 19. 8. & 26. 6, 22.

24 Abanye ba kolwa iloko okwa shunayelwa, abanye ka ba kolwa.

isa. 14. 4. & 17. 4.

25 Loku be nga vumelani, bemuka, uPaule e sa shumaye le izwi la linye lokuti, Wa tyo kahle uMoya o ingewe le ngoIsaya umprofeti kobaba betu,

26 Wa ti, Hamba, u ye ku lababantu, u ti, Ngokuzwa ni ya kuzwa, ni nga qondi; ngokubona ni ya kubona, ni nga bonisisi: Isai. 6. 9. Jer. 5. 21. Hez. 12. 2.

Mat. 13. 14, 15. Rome 11. 8.

27 Ngokuba inhliziyi yalabantu i lukuni, izindhlebe zabo zi butuntu, amehllo abo ba wa cimezile, funa ba bone ngamehlo, bezwe ngezindhlebe, ba qonde ngenhliziyi, ba penduke, ngi ba sindise.

28 Ngako yazini ukuba ukusindisa kuka Tixo ku tunyelwe kwabezizwe; ba ya kuzwa bona. Mat. 21. 41, 43.

isa. 13. 46, 47. & 18. 6. & 22. 21. & 26. 17, 18.

[29 E se shumayela loko, abaJuda bemuka, be pikisana kakulu bodwa.]

30 uPaule wa hlala iminyaka emibili i pelele endhlini a be i tyelekile, wamkelabonke aba be ngena kuye;

31 E shumayela umbuso ka Tixo, e fundisa izindaba zeNkosi uJesu Kristu, e mi isibindi, e nga nqatyelwa muntu.

isa. 4. 31.

INCWADI KA PAULE UMPOSTOLI KWABA

SEROMA.

ISIAHLUKO 1.

UPAULE, inceku ka Jesu Kristu, o bekiwe a be umpostoli, wahlukaniselwa ivangeli lika Tixo, Imis. 22. 21.

1 Kor. 1. 1. Gal. 1. 1. 1 Tim. 1. 11. & 2. 7. 2 Tim. 1. 11. # Imis. 9. 15. & 13. 2. Gal. 1. 15.

2 A li shumayela pambili ngabaprofeti bake emibalweni e ingewe le,

Titusi 1. 2. isa. 3. 21. & 16. 26. Gal. 3. 8.

3 ngeNdodana yake, eya vela enzalweni kaDavida ngokwenyama;

Mat. 1. 6, 16. John. 1. 14.

4 Ya miswa ngamandhla i be iNdodana kaTixo ngokomoya wobungewe le, iloku ya vuka kwabafileyo, uJesu Kristu, iNkosi yetu: Imis. 13. 33. Heb. 9. 14.

5 Esamkeliswa ngaye umusa nobupostoli, ku be ukulalela ngokukolwa ngegama lake ezizweni zonke:

isa. 12. 3. & 15. 15. 1 Kor. 15. 10. Gal. 1. 15. & 2. 9. Ef. 3. 8. Imis. 6. 7. Imis. 9. 15.

6 Eni ngaba kuzo nani, ababizweyo baka Jesu Kristu:

7 Kubo bonke abataudiweyo baka Tixo ba seRoma, ababizweyo ba be abangewe le, a ku be kini umusa nokutula oku vela kuTixo, uBaba wetu, na seNkosini, uJesu Kristu.

1 Kor. 1. 2, 3. 1 Tes. 4. 7. 2 Kor. 1. 2.

Gal. 1. 3.

8 Kuqala, ngi ya bonga uTixo wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ngokuba ukukolwa kwenu ku batyazwa ezweni lonke.

1 Kor. 1. 4. Fil. 1. 3.

Kol. 1. 3, 4. 1 Tes. 1. 2. Filemone 4.

isa. 16. 19. 1 Tes. 1. 8.

9 Yebo, uTixo, engi m konzayo ngomoya wami, ngevangelini leNdodana yake, u ngufakazi wami wokuti, a ngi pezi ukunikumbula;

isa. 9. 1. 2 Kor. 1. 23.

Fil. 1. 8. 1 Tes. 2. 5. # Imis. 27. 23.

John. 4. 23, 24. Fil. 3. 3.

10 Ngi nxusa ekukulekeni kwami ngesikati sonke, se nga ti mhlambe ngi nga hamba kalile, ngi ze kini ngentando ka Tixo.

isa. 15. 23, 32. 1 Tes. 3. 10.

11 Ngokuba ngi nxanele ukunibona, ngi ze ngi nabele okomoya, ni qiniseke;

isa. 15. 29.

12 Loku ku ti, ngi tokoziswe kanye nani pakati kwenu ngokukolwa kwetu, okwenu nokwami.

Titusi 1. 4. 2 Pet. 1. 1.

13 A ngi tandi, bazalwane, ukuba ni hlale ni ngazi loku ukuti, kauninga nga be ngi ti, ngi za kuza kini (kepa ngi tiyekile ku ze ku be manje), ukuba ngi be nezitelo kinina njenga kwezinye izizwe.

isa. 15. 23. Imis. 16. 7.

1 Tes. 2. 18. Fil. 4. 17.



14 Ngi necala kumaGrekhi, na kumaBarbari, kwabahlakanipileyo na kwabangahlakanipile. 1 Kor. 9. 16.

15 Njalo se ngi lungele ukushumayela ivangeli na kinina ba seRoma.

16 A ngi namahloni ngevangeli; li ngamandhla ka Tixo okusindisa bonke abakolwayo, abaJuda kuqala namaGrekhi. Izihl. 40. 9, 10. Mark 8. 38.

1 Kor. 1. 18. & 15. 2. Luk. 2. 30-32.

Imis. 3. 26. isa. 2. 9.

17 Ku ya bonakaliswa ngalo ukulungu kuka Tixo ngokukulwa, ku be ukukulwa; njengokulotyiweyo ukuti, Olungileyo u ya kupila ngokukulwa kwake.

isa. 3. 21. Hab. 2. 4. John. 3. 36.

Gal. 3. 11. Fil. 3. 9. Heb. 10. 38.

18 Ku ya bonakaliswa nga sezulwini ukutukutela kuka Tixo ngako konke okubi nokungalungi kwabantu, aba tiya iqiniso ngokungalungi; Imis. 17. 30.

Ef. 5. 6. Kol. 3. 6.

19 Ngokuba ukwaziwa kuka Tixo ku sobala pakati kwabo, uTixo u ku bonakalisile kubo.

Imis. 14. 17.

20 Okungabonakaliyo kwake, ukuti, amandhla ake a pakade nobutixo bake, ku ya bonakaliswa ku ziswa ngezinto ezidatyuliweyo; njalo ka ba nakupendula,

Izihl. 19. 1. Imis. 17. 27.

21 Ngokuba be m azi uTixo, kepa a ba m dumisanga, a ba m bongisanga okuka Tixo; ba bonakele ngokuzindhla kwabo, inhliziyo yabo engaqondiyiyo ya ba mnyama.

2 Ama. 17. 15. Jer. 2. 5.

Ef. 4. 17, 18.

22 Ngokuzityo ba hlakanipile, ba ba iziula.

Jer. 10. 14.

23 Ubukosi buka Tixo ongabubiyiyo ba bu pendula izitombe ezi fana nabantu ababubayo, nezinyoni, nezilwane ezi nezinyawo ezine, nezilwanyanyana.

24 Ngaloku uTixo wa ba yeka ezinkakukweni zezinhliziyo zabo, ba ngeole, ba yone imizimba yabo bodwa:

Izihl. 81. 12. Ef. 4. 19. 2 Tes. 2. 11.

1 Kor. 6. 18. 1 Tes. 4. 4. 1 Pet. 4. 3.

25 Iqiniso lika Tixo ba li pendula amanga, ba hlonipa ba konza okudatyulwayo ku naye odabulayo, obongekayo ku ze ku be pakade. Amen.

1 John. 5. 20. Isai. 44. 20. Jer. 10. 14. & 13. 25.

Amosi 2. 4.

26 Ngaloku uTixo wa ba yeka ba fise okubi: abesifazana babo ba pendula umkuba wokudabuka u pambene nokodabuka:

Ef. 5. 12. Jude 10.

27 Njalo namadoda a yeka umkuba wesifazana ngokudabuka, a ty a ngokukanukana kwawo; amadoda enzana namadoda okubi, a yamkela impindiselo yokweduka kwawo efaneleyo.

28 Loku ba be nga tandi ukuhlala be m azi uTixo, uTixo wa ba yeka ba be nenhliziyo edelekileyo, benze oku nga fanele;

Ef. 5. 4.

29 Be gewele ukona konke, ukuhlobonga, nokushiuga, nokufisa, nokuzonda; be zeze umona, nokubulala, nenkani, nenkohliso, nokonakala;

30 Abahlebi, abaqambeli, abazonda uTixo, abahlapayo, abazidhlayo, abazikulisayo, abaqamba okubi, abangalaleli ababazalayo,

31 Abangaqondiyiyo, abangatembekiyo, aba nge namusa, aba nge nakutuliswa, abangahaukeliyo;

32 Noma be wazi umyalo ka Tixo wokuti, abenza okunjalo ba fanele ukufa, a benzi loku kupela, kepa ba buye ba vumelane nabakwenzayo.

isa. 2. 2. & 6. 21. Izihl. 50. 18. Hos. 7. 3.

## ISIAHLUKO 2.

**N**JALO a u nakupendula, wena muntundini, ozindhlekelayo; nga loku o zindhlekelela umuntu, u ya zilahlala wena ngako, ngokuba nawe u ya kwenza loku o zindhlekelela ngako.

isa. 1. 20.

2 Sam. 12. 5-7. Mat. 7. 1, 2. John. 8. 9.

2 Si yazi ukwahlala kuka Tixo ku iqiniso kwabenza okunjalo.

3 Po, u cabanga loku ini, wena muntundini o ba zindhlekelayo abenza okunjalo, wenza kona nawe, u ti wena u ya kupepa ukulahla kuka Tixo na?

4 U ya dela ini umcebo womusa wake, ninyewe, nokubekezela, a wazi ini ukuti, umusa ka Tixo u ku holela ekupendukeni?

isa. 3. 25. & 9. 23.

Ef. 1. 7. & 2. 4, 7. Eks. 34. 6.

Isai. 30. 18. 2. Pet. 3. 9.

5 Kepa ngobulukuni bako, nenhliziyo engapendukiyo, u ya zibekela ulaka ngosuku lolaka nolokwambula ukwahlala okulungileyo kuka Tixo;

Dut. 32. 34. Jak. 5. 3.

6 O ya kunika ilowo okwemisebenzi yake: Izihl. 62. 12. isa. 14. 12. Imis. 20. 12.

7 Labo aba funa ukukazimula, nodumo, nokuma pakade, ngokubekezela emisebenzini olungileyo, wo ba nika ukupila okupakade:

8 Labo aba pika inkani, be nga lalaleli

iqiniso, ba lalala ukona, wo ba nika ulaka nokutukutela; Jobe 24. 13.

isa. 1. 18. 2 Tes. 1. 8.

9 Abantu bonke abenza okubi bo nika ukulupeka nosizi, abaJuda kuqala namaGrecki; Amosi 3. 2. Luk. 12. 47, 48. 1 Pet. 4. 17.

10 Kepa bonke abenza okulungileyo bo nika ukukazimula, nodumo, nokutula, abaJuda kuqala namaGrecki; 1 Pet. 1. 17.

11 Ngokuba uTixo ka keti muntu.

Dut. 10. 17. 2 Kron. 19. 7.

Jobe 34. 19. Imis. 10. 34.

12 Labo abonileyo be nge namteto, ba ya kububa be nge namteto; kepa labo abonileyo emteweni, ba ya kulahlwa ngokumteto.

13 Abezwayo umteto a sibo abalungileyo pamibi kuka Tixo; kepa abawenzayo umteto ibona aba ya kutetelelwa. Mat. 7. 21. Jak. 1. 22, 23, 25. 1 John. 3. 7.

14 Nxa abezizwe aba nge namteto, benza ngemvelo yabo okomteto, labo, loku be nge namteto, ba nguunteto wabo ngokwabo.

15 Ba ya bonakalisa imisebenzi yomteto o lotyiweyo ezinhliziyweni zabo, uvalo lwabo lu ngufakazi nalo, nezizindhlo zabo zi ba sole, mhlaumbe zi ba vumele;

16 Ngosuku uTixo a za kwahlula ngaloku kufihliweyo kwabantu ngoJesu Kristu ngokwevangeli lami Ums. 12. 14.

Mat. 25. 31. John. 12. 48. isa. 3. 6.

1 Kor. 4. 5. Isam. 20. 12. || John. 5. 22.

Imis. 10. 42. & 17. 31. 2 Tim. 4. 1, 8.

1 Pet. 4. 5. || isa. 16. 25. 1 Tim. 1. 11.

2 Tim. 2. 8.

17 Kepa, loku wena u tiwa umJuda, wetemba umteto, u zibonga ngenxa ka Tixo, Mat. 3. 9. John. 8. 33. isa. 9. 6, 7.

2 Kor. 11. 22. || Mika 3. 11. isa. 9. 4.

Isai. 48. 2. John. 8. 41.

18 U yazi intando yake, u qonda okuhle, u fundiswe okomteto, Fil. 1. 10.

19 U ti u umholeli wezimpumpute, u ukukanya kwaba sebumnyameni, Mat. 15. 14. & 23. 16, 17, 19, 24. John. 9. 40, 41.

20 Umluleki wabangafundile, umfundisi wezingane, u nokuma kokwazi neqiniso emteweni; isa. 6. 17.

2 Tim. 1. 13. & 3. 5.

21 Nxa u fundisa ofunye, a u zifundisi wena na? u shumayela u ti a ku ngebiwa, u yeba na? Izihl. 50. 16-21.

Mat. 23. 3-32.

22 U ti, a ku nga pingwa, u ya pinga

na? u nengwa izitombe, u ya panga oku ingewele na? Mal. 3. 8.

23 U zibonga ngomteto, u ya m eisa uTixo ngokudhlula umteto na?

24 Igama lika Tixo li ya tukwa abezizwe ngenxa yenu, njengokulotyiweyo. 2 Sam. 12. 14. Isai. 52. 5. Hez. 36. 20, 23.

25 Ukusoka ku ya siza, uma wenza okomteto; kepa uma u dhlula umteto, ukusoka kwako ku ukungasoki.

Gal. 5. 3.

26 Njalo, uma ongasokile e geina imiyalo yomteto, ukungasoki kwake a ku yi kutiwa ukusoka na? Imis. 10. 35.

27 Ongasokile ngokudabuka kwake, uma e geina umteto, a ka yi kukulahla wena o dhlula umteto ngegama na ngokusoka na? Mat. 12. 41.

28 A siye umJuda o nguye ngokubonakalayo; a siko ukusoka oku iko ngokubonakalayo, oku senyameni:

Gal. 6. 15. Isam. 2. 9.

29 Kepa lowo u umJuda o nguye ngapakati; ukusoka ku ngokweuhliziyo, ku ngokomoya, ku nge ngokwegama; yena ka bongwa abantu, a bongwa uTixo. 1 Pet. 3. 4. Fil. 3. 3. Kol. 2. 11.

isa. 7. 6. 1 Kor. 4. 5. 2 Kor. 10. 18. 1 Tes. 2. 4.

### ISAHLUKO 3.

**P**OKE, umJuda u nokwahlula kuni na? u kusoka ku nokusiza kuni na?

2 Kakulu inxa zonke; kuqala, ngokuba ba nikiwe amazwi ka Tixo.

Dut. 4. 7, 8. Izihl. 147. 19, 20. isa. 2. 18. & 9. 4.

3 Ku ini, nokuba abanye be nga kolwanga? ukungakolwa kwabo ku ngenza ku be ize ukuqinisa kuka Tixo na?

isa. 10. 16. Heb. 4. 2. Imib. 23. 19.

isa. 9. 6. & 11. 29. 2 Tim. 2. 13.

4 Ai; ko hlala uTixo e neqiniso njalo, be nanianga abantu bonke, njengokulotyiweyo ukuti, Ukuze u telelelwe emazwini ako, wahlule ekutetweni kwecala lako. Jobe 40. 8. John. 3. 33.

Izihl. 51. 4. & 62. 9. & 116. 11.

5 Kepa uma ukungalungi kwetu ku bonakalisa ukulunga kuka Tixo, si ya kutini na? A ka lungile ini uTixo o veza ulaka na? Ngi ya kuluma njengomuntu. isa. 6. 19. Gal. 3. 15.

6 Ai; po uTixo a ngahlulela izwe kanjani na? Gen. 18. 25. Jobe 8. 3. & 34. 17.

7 Uma iqiniso lika Tixo li vamise ngamanga ami, a duuyiswe yena, ngi lahlelwani mina njengesoni na?

8 Yebo, a si nga tyo ini, njengokutukwa kwetu, njengokutyo kwabanye aba

ti, ku tyo tina ukuti, A senze okubi ko ze ku vele okulungileyo; labo ba fanele ukulahlwa kwabo. isa. 6. 1, 15.

9 Po, si lungile ku nabo na? Qa, nakanye. Se si tyilo ukuti, abaJuda namaGrekhi ba sekoneni bonke; isa. 1. 18-32. & 2. 1-29. Gal. 3. 22.

10 Njengokulotyiweyo ukuti, Ka ko olungileyo; noyedwa; Izihl. 14. 1-3. & 53. 1.

11 Ka ko o qondayo; ka ko o funa uTixo,

12 Bedukile bonke, bonakele kanye; ka ko owenza okuhle, ka ko noyedwa:

13 Umpimbo wabo u ituna elivalekileyo; ba kohlisa ngezilimi zabo; isihlungu sezinyoka si pansi kwezindebe zabo: Izihl. 5. 9, & 140. 3.

14 Umlomo wabo u gwele ukutuka nokubaba: Izihl. 10. 7.

15 Izinyawo zabo zi tyetya ukupalaza igazi: Amazwi 1. 16. Isai. 59. 7, 8.

16 Ukuciteka nosizi ku sezindhleleni zabo;

17 Indhlela yokutula a ba yazi:

18 Ukumesaba uTixo a ku ko pambi kwamehlo abo. Izihl. 36. 1.

19 Kepa si yazi, loku o ku tyoyo umteto, u tyo kwaba semtetweni, ukuba ku vinjwe imilomo yonke, izwe lonke li be necala pambi kuka Tixo: John. 10. 34. & 15. 25. Jobe 5. 16. Hez. 16. 63. isa. 1. 20. & 2. 1, 12.

20 Ngokuba ngemisebenzi yomteto a ku yi kutetelelwa muntu pambi kwake; loku ukwazi izono ku ngomteto. Izihl. 143. 2. Gal. 2. 16. & 3. 11. Ef. 2. 9.

Titusi 3. 5. isa. 7. 7.

21 Kepa kaloku ku bonakaliswe ukulunga oku ngoTixo ngapandhle komteto, ku qiniswa umteto nabaprofeti; isa. 1. 17. Fil. 3. 9. John. 5. 46.

Iimis. 26. 22. isa. 1. 2.

22 Ukulunga kuka Tixo ngokukolwa uJesu Kristu, ku kubo bonke, ku pezu kwabo bonke abakolwayo; a ku ko ukwahlukana;

isa. 4. isa. 10. 12. Kol. 3. 11.

23 Ngokuba bonile bonke, be nga finyelele ebukosini buka Tixo;

24 Be tetelelwa ngesihle ngomusa wake, ngokuhlelwa oku kuKristu Jesu;

isa. 4. 16. Ef. 2. 8. Titusi 3. 7. Ef. 1. 7.

Kol. 1. 14. Heb. 9. 12. 1 Pet. 1. 18, 19.

25 A m bekileyo uTixo, a be umhlauli ngokwetemba igazi lake, ku bonakaliswe ukulunga oku ngaye, ngokutetelela

izono eza zi pambili, ngokubekezela kuka Tixo;

Levi 16. 15.

1 John. 2. 2. & 4. 10. Kol. 1. 20. Imis. 17. 30. Heb. 9. 15.

26 Ku bonakaliswe ukulunga oku ngaye nga lesisikati, a ze a be e lungile, a m tetelele lowo okolwa uJesu.

27 Kupi ukuzibonga na? Ku susiwe. Nga mupi umteto na? ngowemisebenzi na? Qa, ngomteto wokukolwa.

isa. 2. 17. & 4. 2.

28 Njalo si ti, umuntu u tetelelwa ngokukolwa, ngapandhle kwemisebenzi yomteto. Imis. 13. 38, 39. isa. 8. 3.

29 Imbala u uTixo wabaJuda kupela na? ka siye nowabezizwe na? Yebo, nowabezizwe;

30 Loku uTixo munye, o za kutetelela abasokileyo ngenxa yokukolwa, naba-ngasokile ngokukolwa. isa. 10. 12.

Gal. 3. 8.

31 Po, si wenza umteto u be ize ngokukolwa na? Ai, si ya qinisa umteto.

#### ISAHLUKO 4.

**P**O! si ya kutini, uAbrahamama, ubaba wetu, u zuzeni ngokwenyama na?

Isai. 51. 2. Mat. 3. 9.

2 Uma uAbrahamama wa tetelelwa ngemisebenzi yake u nokuzibonga, kepa ka nako kuTixo. isa. 3. 27, 28.

3 Imibalo i tini na? uAbrahamama wa kolwa uTixo, kwa tiwa u lungile.

Gen. 15. 6. Gal. 3. 6.

4 Kodwa, osebenzayo kabelwa inkelo ngomusa, u yabelwa ngecala.

isa. 11. 6.

5 Kepa ongasebenziyo, e kolwa uye o tetelela isoni, ukukolwa kwake ku tiwa ukulunga kuye. Josh. 24. 2.

6 Njengokuba naye uDavida u shu-mayela ngokubusiswa kwa lomuntu, a m tetelelayo uTixo ngapandhle kwemisebenzi.

7 E ti, Ba busisiwe aba tetelelwe ize-duko zabo, naba gqityelwe izono zabo.

Izihl. 32. 1, 2.

8 U busisiwe lomuntu iNkosi e nga yi kubala kuye isono.

9 Lokukubusiswa ku ze kwabasokileyo bodwa na? a ku ze na kwabangasokile na? Si ti kuAbrahamama ukukolwa kwake kwa tiwa ukulunga.

10 Kwa tyiwo kanjani na? e se soki-le, nokuba e nga ka soki na? a ku tyi-wongo e se sokile, kwa tyiwo e nga ka soki.

11 Wa zuza upau lokusoka, ufakazi

wokulunga oku ngokukulwa a e nako e nga ka soki, ukuba a be uyise wabo bonke abakolwayo, be nga sokile, ukuze ku tiwe ba lungile nabo; Gen. 17. 10. Luk. 19. 9. Gal. 3. 7.

12 A be uyise nowabasokileyo, wa labo aba nge sibo abokusoka kodwa, kepa be hamba emasondweni okukulwa kuka baba uAbrahama, a e nako e nga ka soki.

13 Ngokuba isitembiso sokuti, u za kudhla ifa lezwe, a si nikwanga uAbrahama nenzalo yake ngomteto, wa si nika ngokulunga oku ngokukulwa. Gen. 17. 4-6. Gal. 3. 29.

14 Uma abomteto be dhla ifa, ukulwa a ku siyo into yaluto, nesitembiso se si ize. Gal. 3. 18.

15 Umteto u ya banga ulaka; lapo u nge ko umteto, a ku ko ukveduka. isa. 5. 13. 20. & 7. 8, 10. 1 Kor. 15. 56. 2 Kor. 3. 7, 9. Gal. 3. 10. 1 John. 3. 4.

16 Njalo ku ngokukulwa, ukuze ku be ngomusa, ku qiue isitembiso enzalweni yonke; ku nge siyo eyomteto yodwa, kepa neyokukulwa kuka Abrahama, o ngubaba wetu sonke; isa. 3. 24. Gal. 3. 22. Isai. 51. 2. isa. 9. 8.

17 (Njengokulotyiweyo ukuti, Ngi kwenzile u be uyise wezizwe eziningi), pambi kuka Tixo, a kolwa uye, o vusa abafleyo, e biza o ku nge ko, ngokungati ku kona. Gen. 17. 5. isa. 9. 26. 1 Kor. 1. 28.

18 Ku nge ko itemba, wa kolwa e nentemba, a ze a be uyise wezizwe eziningi, njengokutyiwoyo ukuti, Yo ba ngaka inzalo yako. Gen. 15. 5.

19 E nge butakataka ngokukulwa, ka nakanga umzimba wake u su file, e neminyaka kungati ikulu, ka nakanga nokufa kwesisu sika Sara; Gen. 17. 17. & 18. 11. Heb. 11. 12.

20 Ka ngabazanga ngesitembiso sika Tixo ngokungakolwa; wa qinisa ekulweni, wa bongwa uTixo;

21 Wa kolwa nokukulwa ukuti, loko a ku tembisayo u namandhla okwenzana. Izihl. 115. 3. Luk. 1. 37, 45. Heb. 11. 19.

22 Njalo kwa tiwa ukulunga kuye.

23 Kepa a kwa lotyelwa yena yedwa ukuti, kwa tyiwo kuye; isa. 15. 4. 1 Kor. 10. 6, 11.

24 Sa ku lotyelwa nati, oku za kutiwa kitina, tina bakolwa uye, owa m vusa uJesu iNkosi yetu kwabafleyo; Imis. 2. 24. & 13. 30.

25 Owa nikelwa ngenxa yezono zetu, wa vuka si ze si tetelelwe. Isai. 53. 5, 6. isa. 3. 25. & 5. 6. & 8. 32. 2 Kor. 5. 21. Gal. 1. 4. 1. Pet. 2. 24. & 3. 18. 1 Kor. 15. 17. 1 Pet. 1. 21.

## ISAHLUKO 5.

**K**U NJALO loku si tetelelwe ngokukulwa, si nokutula kuTixo, ngayo, iNkosi yetu, uJesu Kristu;

Isai. 32. 17. isa. 3. 28, 30. Ef. 2. 14.

2 Oku ngaye sa ba nokungena ngokukulwa, ku lomusa esi mi ngawo, si tokoza ngetemba lobukosi buka Tixo. Ef. 2. 18. Heb. 10. 19. 1 Kor. 15. 1. Heb. 3. 6.

3 A siko loko kupela, kepa si tokoza na lapo si hlupekayo sazi ukuti, ukuhlupeka ku banga ukubekezela; Mat. 5. 12. 1 Pet. 3. 14. Jak. 1. 3.

4 Ukubekezela ku banga ukuvunyelwa; ukuvunyelwa ku banga itemba;

5 Itemba a li jabisi; ngokuba utando luka Tixo lu telwe ezinhliziyweni zetu nguMoya o ingewele, esi mu piweyo. Fil. 1. 20. Gal. 4. 6.

6 Si se butakataka, uKristu wa zi fela izoni ngesikati esimisiweyo. isa. 4. 25.

7 Ku lokuu ukuba umuntu a fele omnene, kepa mhlaumbe u kona o nga ba nesibindi sokufela olungileyo.

8 Kodwa uTixo u ya bonakalisa ukusitanda kwake loku uKristu wa si fela si se izoni. John. 15. 13. 1 Pet. 3. 18. 1 John. 3. 16.

9 Kakulu, loku se si tetelelwe ngegazi lake, si ya kusindiswa uye olakeni. isa. 3. 25. Heb. 9. 14. isa. 1. 18. 1 Tes. 1. 10.

10 Uma, lapo sa si izita, sa buyiselwa kuTixo ngokufa kweNdodana yake kakulu, lapo se si buyiselwe, si ya kusindiswa ngokupila kwake. isa. 8. 32. 2 Kor. 5. 18, 19. Ef. 2. 16. Kol. 1. 20, 21. John. 5. 26. & 14. 19.

11 A siko loku kupela, kepa si ya tokoza na ngaye uTixo, ngeNkosi yetu, uJesu Kristu, e se si piwe ngaye ukubuyiselwa. Gal. 4. 9.

12 Njalo, njengokuba ngonuntu mune ukona kwa ngena emhlabeni, nokufa kwa ngena ngokona, ku njalo ukufa kwa dhulela kubantu bonke, ngokuba bonke bonile. Gen. 3. 6. 1 Kor. 15. 21. Gen. 2. 17. isa. 6. 23.

13 Ku nga ka bi ko umteto, ukona kwa ku kona emhlabeni; kepa a ku tyiwo ukuti ukona; ku nge ko umteto. isa. 4. 15. 1 John. 3. 4.

14 Kepa ukufa kwa busa, ku tata ku-Adamu kwa za kwa fika kuMosi, na pezu kwabangonanga ngokweduka kuka Adamu, o fahekisa lowo o be za kuza.

1 Kor. 15. 21, 22, 45.

15 Kodwa isipiwo a si njengokweduka. Ngokuba, uma ba fa abanangi ngokweduka komuntu munye, kakulu kwa vama kwabaningi umusa ka Tixo, nesi-piwo ngomusa wa lomuntu munye, uJesu Kristu.

Isai. 53. 11.

16 Njalo isipiwo a si njengokuvela nga lowo e munye owonayo: ngokuba ukwahlula kwa ba ngesono sinye, ku be ukulahla, kepa isipiwo sa ba ngezono eziningi, ku be ukutetelelwa.

17 Ngokuba, uma ngesono sa lowo e munye ukufa kwa busa nga lowo e munye, kakulu laba, aba piwe ukuvama komusa nesi-piwo sokutetelelwa, ba ya kubusa ekupileni nga lowo e munye, uJesu Kristu.

18 Ngako njengokuba ngesono sinye, kwa ba kubantu bonke ukulahla, njalo ngokulunga kunye kwa ba kubantu bonke ukutetelelwa kokupila.

John. 12. 32. Heb. 2. 9.

19 Njengokuba ngokungaleli kwa lomuntu e munye, abanangi benziwa izoni, njalo ngokulalela kwa lowo e munye abanangi ba ya kwenziwa abalungileyo.

20 Umteto wa ngena, ukuba ku vame ukweduka. Kepa lapa kwa vama kona izono, umusa wa vama kakulu kona;

isa. 3. 20. & 4. 15. Gal. 3. 19, 23. 1 Tim. 1. 14.

21 Ukuze, njengokuba kwa busa ukona ekufeni, njalo u buse umusa ngokulunga ku be ukupila okupakade, ngo-Jesu Kristu iNkosi yetu.

### ISAHLUKO 6.

SI ya kutini? Si ya kuhlala ekoneni, ukuze ku vame umusa na?

isa. 3. 8.

2 Ai! Tina esi file ngokona, si nga hlala kanjani kuko na?

isa. 7. 4. Gal. 2. 19.

Kol. 3. 3. 1 Pet. 2. 24.

3 A nazi ini ukuti, tina sonke esi bapatzelwe kuKristu Jesu si bapatzelwe kuko ukufa kwake.

Gal. 3. 27.

1 Kor. 15. 29.

4 Njalo si mbelwe kanye naye ngokubapatzelwa kuko ukufa, ukuze, njengokuba uKristu wa vuka kwabafileyo ngobukosi buka Yise, njalo nati si hambe ngokupila okutya.

Kol. 2. 12. isa. 3. 11.

John. 11. 40. Gal. 6. 15. Ef. 4. 22, 23, 24.

Kol. 3. 10.

5 Uma si kunye naye ngokufana nokufa kwake, si ya kuba njalo na ngokufana nokuvuka kwake.

Fil. 3. 10, 11.

6 Sazi loku ukuti, umuntu wetu omdala u betelwe njengaye, ukuba ku citwe umzimba wokona, si nga be si sa konza ukona.

Gal. 2. 20. & 5. 24. & 6. 14. Ef. 4. 22.

Kol. 3. 9. & 2. 11.

7 Ngokuba lowo ofileyo u tetelelwe ukona.

1 Pet. 4. 1.

8 Kepa uma sa fa kanye naye uKristu, si ya kolwa si ti, si ya kupila kanye naye:

2 Tim. 2. 11.

9 Sazi ukuti, uKristu, loku e se vukile kwabafileyo, ka sa yi kufa; ukufa a ku sa yi kubusa pezu kwake.

Isam. 1. 18.

10 Ngokuba loku wa fa, wa fa ngokona ku be kanye, kepa loku e pila, u ya pila ngoTixo.

Heb. 9. 27, 28. Luk. 20. 38.

11 Njalo nani ma ni ti, ni file ngokona, ni pila ngoMoya, kuye uKristu Jesu.

Gal. 2. 19.

12 A ku nga busi ukona emzimbeni wenu obubayo, ni ze ni lalele izinkanuko zawo.

Izihl. 19. 13. & 119. 133.

13 Ni nga nikeli amalungu enu ekoneni a be izikali zokubi, ni zinikele nina kuTixo, ku ngati ni vukile kwabafileyo, ni nikele amalungu enu kuTixo, a be izikali zokulunga.

isa. 7. 5. Kol. 3. 5.

Jak. 4. 1. isa. 12. 1. 1 Pet. 4. 2.

14 Ani yi kubuswa ukona; a ni pansi komteto, ni pansi komusa.

Gal. 5. 18.

15 Po, ini? Si ya kona, ngokuba si nge pansi komteto, si pansi komusa na? Ai!

1 Kor. 9. 21.

16 A nazi ini ukuti, lowo eni zinikele kuye, ni izigqili zake zokumlalela, ni izigqili zalowo eni m lalelayo, noma ezokona ku be ukufa, noma ezokulalela ku be ukulunga?

Mat. 6. 24. John. 8. 34.

17 Kepa ma ku bongwe uTixo, ngokuba be ni izigqili zokona, kepa se ni lalele ngenhliziyo lokukufundisa eni ku nikiweyo;

2 Tim. 1. 13.

18 Na kululwa ezonweni, nenziwa ni konze ukulunga.

John. 8. 32. 1 Kor. 7. 22.

1 Pet. 2. 16.

19 Ngi ya kuluma njengomuntu ngenxa yobutakataka benyama yenu; njengoloku na nika amalungu enu a be izigqili zamanyala nokubi, ku be okubi; njalo kaloku ni nike amalungu enu a be izigqili zokulunga, ku be ubungewe.

20 Lapo na ni izigqili zokona, na ni ngabakululekile ekulungeni.

John. 8. 34.

21 Na ni nezitelo zini ku lezozinto, e

se ni nezinhloni ngazo kaloku na? loku ukugecina kwazo ku ukufa. isa. 7. 5.

isa. 1. 32.

22 Kepa kaloku se ni kululiwe ekoneni, ni konza uTixo, ni nezitelo zenu zi be ubungewele, ukugecina ku ukupila okupakade. John. 8. 32.

23 Ngokuba inkokelo yokona i ukufa, kepa isipo sika Tixo si ukupila okupakade ngoJesu Kristu iNkosi yetu.

isa. 5. 12. Jak. 1. 15. isa. 2. 7. 1 Pet. 1. 4.

### ISIAHLUKO 7.

**A** NAZI ini, bazalwane (ngi kuluma nabaziyo umteto,) ukuti, umuntu u buswa umteto ngesikati sonke sokupila kwake?

2 Umfazi oganileyo u botyiwe ngomteto endodeni, i se kona; kepa nxa indoda i file, u kululiwe emtetweni wendoda. 1 Kor. 7. 39.

3 Ngako, i se kona indoda, uma e gana kwenye indoda, u ya kutiwa isipingi, kepa nxa i file indoda, u kululekile emtetweni, a nge be isipingi, noma e gana kwenye indoda. Mat. 5. 32.

4 Njalo, bazalwane bami, nani se ni file emtetweni ngomzimba ka Kristu; ukuze ni gana komunye, kulowo owa vuka kwabafileyo, si m vezele uTixo izitelo. isa. 8. 2. Gal. 5. 18. Ef. 2. 15.

Kol. 2. 14. Gal. 5. 22.

5 Lapo sa si senyameni, ukukanuka okubi oku ngomteto, kwa sebenza emalungwini etu si ze si veze izitelo zokufa. isa. 6. 13, 21. Gal. 5. 19. Jak. 1. 15. isa. 6. 2.

6 Kepa kaloku si kululiwe emtetweni, si file ku loko, e be si botyiwe ngako, ukuze si konze ngomoya omutya, si nga konzi ngegama elidala. isa. 2. 29.

2 Kor. 3. 6.

7 Si ya kutini na? umteto u ukona na? Ai! Kepa be ngi ngazi ukona, ku nge ngomteto, be ngi ngazi ukunxanela, u nga tyongo umteto ukuti, U nga nxaneli. isa. 3. 20. Eks. 20. 17. Dut. 5. 21.

Imis. 20. 33. isa. 13. 9.

8 Kepa ukona kwa tola ituba ngomyalo, kwa sebenza kimi ukuxanele konke. Ngapandhle komteto ukona kwa ku file. isa. 4. 15. & 5. 20.

1 Kor. 15. 56.

9 Nga ke nga pila, u nga ka bi ko umteto; kepa u su fikile umyalo, kwa vuka ukona, nga fa.

10 Umyalo o bu ngowokupila, nga u fumana u ngowokufa. Levi 18. 5.

Hez. 20. 11. 2 Kor. 3. 7.

11 Ngokuba ukona kwa tola ituba ngomyalo, kwa ngi kohlisa, kwa ngi bulala ngawo.

12 Njalo umteto u ingewele, nomyalo u ingewele, u lungile, muhle.

Izihl. 19. 8. & 119. 137.

13 Po, okulungileyo se ku ukufa kimi na? Ai, kepa ukona, ukuba ku bonakale ku ukona, ku ngenzela ukufa ngokulungileyo, ku ze ku ti ngomyalo ukona ku be ukona okusabekayo.

14 Si yazi umteto u ngowomoya, kepa mina ngi ngowenyama, ngi tengiwe ukona. 1 Ama. 21. 20. 2 Ama. 17. 17.

15 Ngokuba loku engi kwenzayo, a ngi kwazi; loku engi ku tandayo, a ngi kwenzi; kepa loku engi ku zondayo, ngi ya kwenza. Gal. 5. 17.

16 Uma ngenza loku engi nga ku tandiyo, ngi ya vumela umteto, ngi ti u lungile.

17 A si mina o kwenzayo, ku ukona oku hlala kimi.

18 Ngi yazi, a ku hlali okulungileyo kimi, ngi tyo, enyameni wami: ku kona kimi ukutanda, kepa ukwenza okulungileyo a ngi ku fumani. Gen. 6. 5.

19 Okulungileyo engi ku tandayo, a ngi kwenzi; kepa okubi engi nga ku tandiyo, ngi ya kwenza.

20 Kepa, uma ngi kwenza loku, engi nga ku tandiyo, a simina o kwenzayo, ku ukona oku hlala kimi.

21 Ku njalo ngi ya fumana umteto wokuti, nxa ngi tanda ukwenza okulungileyo, ku kona okubi kimi.

22 Yebo, ngi ya tanda umteto ka Tixo ngokomuntu opakati; Izihl. 1. 2.

2 Kor. 4. 16. Ef. 3. 16.

23 Kepa ngi bona omunye umteto emalungwini ami, u lwa nomteto wenhliziyo yami, u ngi bopa emtetweni wokona oku semalungwini ami.

Gal. 5. 17. isa. 6. 13.

24 Ngi ngumuntu ohlupekayo. Ubani o ya kungikulula emzimbeni wa lokukufa na?

25 Ngi ya bonga uTixo ngoJesu Kristu iNkosi yetu. Ku njalo, ngi lalala umteto ka Tixo ngenhliziyo; kepa ngenyama ngi lalala umteto wokona.

1 Kor. 15. 57.

### ISIAHLUKO 8.

**K**U NJALO a ku se ko ukulahlwa kwaba kuKristu Jesu, be nga hambini ngokwenyama, be hamba ngokoMoya;

Gal. 5. 16, 25.

2 Ngokuba umteto womoya wokupila, oku ngoKristu Jesu, u ngi kulule emteweni wokona nowokufa.

1 Kor. 15. 45. 2 Kor. 3. 6. isa. 7. 24, 25.

3 Loko owahluleka ngako umteto, ngokuba ubutakataka ngayo inyama, wa kwenza uTixo, ngokutuma iNdodana yake, i fana nenyama yokona, i tuuylwe ukona, wa lahla ukona okuseniyameni.

Imis. 13. 39. isa. 3. 20  
Heb. 7. 19. & 10. 1, 2, 10, 14. 2 Kor. 5. 21.

4 Ukuze umyalo womteto u gwaliseke kitina, esi nga hambu ngokwenyama; kodwa ngokuka Moya.

5 Ngokuba abokwenyama ba naka okwenyama, kepa abaka Moya ba naka okuka Moya.

John. 3. 6. 1 Kor. 2. 14. Gal. 5. 22, 25.

6 Ukuzindhla kwenyama ku ukufa; ukuzindhla kuka Moya ku ukupila nokutula.

isa. 6. 21. Gal. 6. 8.

7 Ngokuba ukuzindhla kwenyama ku zondana noTixo; a ku laleli umteto ka Tixo; ku nge lalele.

Jak. 4. 4. 1 Kor. 2. 14.

8 Aba seniyameni a ba nakukoleka ku Tixo.

9 Kepa a ni seniyameni; ni kuye uMoya uma uMoya ka Tixo e hlala kini. Uma umuntu e nge naMoya ka Kristu, a siye owake.

1 Kor. 3. 16. & 6. 19.  
John. 3. 34. Gal. 4. 6. Fil. 1. 19. 1 Pet. 1. 11.

10 Kepa, uma uKristu e kinina, umzimba u file ngokona, kodwa Umoja u ukupila ngokulunga.

11 Uma uMoya wa lowo owa m vusa uJesu kwabafileyo e hlala kini, yena owa m vusa uKristu kwabafileyo u ya kupilisa iniizimba yenu ebubayo ngoMoya wake o hlala kini.

Imis. 2. 24. isa. 6. 4, 5. Ef. 2. 5.

12 Njalo, bazalwane, a si nacala eniyameni lokuba si hambe ngokwenyama.

isa. 6. 7, 14.

13 Ngokuba uma ni hamba ngokwenyama, ni ya kufa; kepa uma ni bulala imisebenzi yomzimba ngoMoya, ni ya kupila.

Gal. 6. 8. Ef. 4. 22. Kol. 3. 5.

14 Ngokuba bonke aba holwa uMoya ka Tixo, ba ngabantwana baka Tixo.

Gal. 5. 18.

15 A namkeliswanga umoya wobugqili, wokuba ni buye nesabe; kepa na wamkeliswa umoya wobuntwana, esi memeza ngawo si ti, Abba, Baba.

1 Kor. 2. 12. Heb. 2. 15. 2 Tim. 1. 7.

1 John. 4. 18. Isai. 56. 5. Gal. 4. 6.

Mark 14, 36.

16 Iwo loMoya o hlangene nomoya wetu ukuqinisa ukuti, si ngabantwana baka Tixo;

2 Kor. 1. 22. Ef. 1. 13.

17 Uma si ngabantwana, si izindhlamafa fdti; izindhlamafa zika Tixo, izindhlamafa kanye noKristu, uma si hlutywa kanye naye, si ze si dunyiswe naye.

Gal. 4. 7. Imis. 14. 22. Fil. 1. 29.

18 Ngokuba ngi ti, ukuhlupeka kwa lesisikati a ku nakulinganiswa nodumo olu ya kwambulelwa tina.

2 Kor. 4. 17. 1 Pet. 1. 7. & 4. 13.

19 Ngokuba ukulinda kokudatyuliweyo ku hlalela ukwambulwa kwamadodana ka Tixo.

2 Pet. 3. 13. 1 John. 3. 2.

20 Ngokuba okudatyuliweyo kwa hlalwa pansu kobuze, ku nga tandi, kodwa kwenziwa uye owa ku hlalayo, ku ntemba.

Gen. 3. 19.

21 Lokuti okudatyuliweyo ku ya ku kululwa ebugqilini bokonakala, ku ngene ekukululekeni kodumo lwabantwana baka Tixo.

22 Si yazi okudatyuliweyo konke ku ya bubula, li nobuhlungu lonke, ku ze ku be manje.

Mark 16. 15. Jer. 12. 11.

23 A siko loku kodwa, kepa nalabo aba nolibo luka Moya, ngi tyo tina uqobo, si ya bubula, si hlalela ukuma kwabantwana, ukukululwa komzimba wetu.

2 Kor. 5. 2, 4, 5. Luk. 20. 36. & 21. 28.

24 Ngokuba si sindiswa ngetemba; kepa itemba eli bonwayo, a silo itemba; loku umuntu a ku bonayo, u sa ku temba kanjani na?

Heb. 11. 1.

25 Kepa, uma si temba loko, esi nga ku boniyo, si ku hlalela si nesineke.

26 Nanjalo uMoya u ya hlanganyela ubutakataka betu; ngokuba si nga kwazi okufaneleyo, si ku kulekele; kepa uMoya uqobo u ya si nxusela ngokububula oku nge nakupumiselwa.

Mat. 20. 22. Jak. 4. 3. Zek. 12. 10.

Ef. 6. 18.

27 Lowo, o hlola izinhliziyu, u yazi ukuba ku ini ukuzindhla kuka Moya, ngokuba e ba nxusela abangeweke ngokuka Tixo.

1 Kron. 28. 9. Imis. 1. 24.

1 Tes. 2. 4. Isam. 2. 23. 1 John. 5. 14.

28 Si yazi, kwabamtandayo uTixo, konke ku hlangene ukwenza okuhle, kubo ababiziweyo ngokumisa kwake.

isa. 9. 11. 2 Tim. 1. 9.

29 Ngokuba labo a baziyo pambili, wa ba misa pambili, ba fuze ukuma kwe-

Ndodana yake, ukuba i be owamazibulo kwabaningi abazalwane. isa. 11. 2.

2 Tim. 2. 19. 1 Pet. 1. 2. Ef. 1. 5, 11.

John. 17. 22. 2 Kor. 3. 18. Fil. 3. 21.

1 John. 3. 2. Kol. 1. 15, 18. Heb. 1. 6.

Isam. 1. 5.

30 Labo a ba misayo pambili, wa ba biza na labo a ba bizayo wa ba tetelela; na labo a ba tetelelayo, wa ba kulisa.

isa. 9. 24. Ef. 4. 4. Heb. 9. 15. 1 Pet. 2. 9.

1 Kor. 6. 11. John. 17. 22. Ef. 2. 6.

31 Si ya kutini ku loku na? Uma uTixo e mi nati, si ya kuvukelwa ubani na? Imib. 14. 9. Izihl. 118. 6.

32 O nga nqabanga neNdodana yake uqobo, wa i nikela tina sonke, a ka yi ku si nika nako konke na?

isa. 4. 25. & 5. 6, 10.

33 Ubani o za kubamangalela abaketiweyo baka Tixo na? ku nguTixo o tetelelayo. Isai. 50. 8, 9. Isam. 12. 10, 11.

34 Ubani o lahlayo? ku nguKristu owa fayoye, yebo, wa vuka, u nga kwesokunene sika Tixo, u ya si nxusela.

Jobe 34. 29. Mark. 16. 19.

Heb. 7. 25. & 9. 24. 1 John. 2. 1.

35 Ubani o za kusahlukanisa notando luka Kristu? Ukuhlupeka, Usizi, Ukuzingelwa, Indhlala, Ukuhambaze, Ingozi, Inkemba na?

36 Njengokulotyweyo, ukuti, Ngenxa yako si bulawa usuku lonke: ku tiwa si izimvu zokuhlalya. Izihl. 44. 22.

1 Kor. 15. 31. 2 Kor. 4. 11.

37 Kepa ku ko konke loku si yahlula nokwahlula ngowa si tandayo.

1 Kor. 15. 57. 2 Kor. 2. 14. 1 John. 4. 4. & 5. 4, 5.

38 Ngi ya kolwa ngi ti, nakufa, nakupila, nazingelosi, nazikulu, namakosi, nako okukona, nako okuzayo,

Ef. 1. 21. & 6. 12. Kol. 1. 16. & 2. 15.

1 Pet. 3. 22.

39 Nakudepa, nakujula, nanye into edatyuliweyo, a ku yi kuba namandhla okusahlukanisa notando luka Tixo, olu kuKristu Jesu, iNkosi yetu.

### ISAHLUKO 9.

**N**GI ya kuluma iqiniso ngoKristu, a ngi namanga, inhliziyoyami i ngufakazi wami ngoMoya o ingewele,

isa. 1. 9. 2 Kor. 11. 31. & 12. 19.

Gal. 1. 20. 1 Tim. 2. 7.

2 Ngi ti ngi nosizi olukulu, nokudabuka okunganqamukiyo enhliziyweni yami. isa. 10. 1.

3 Be ngi nxaucela ukuba ngi lahlwe,

ngahlukaniswe noKristu ngabafo wetu, izihlobo zami ngokwenyama; Eks. 32. 32.

4 Aba ngabaIsraeli, aba nokuma kwabantwana, nobukosi, nezivumelwano, nemiteto, nenkonzo, nezitimbiso;

Eks. 4. 22. Dut. 7. 6. & 14. 1. 1 Sam. 4. 21. 1 Ama. 8. 11. Izihl. 63. 2. Imis. 3. 25 & 13. 22.

Heb. 8. 8-10. & 9. 1. Ef. 2. 12.

5 Ababo oyise, a vela kubo uKristu ngokwenyama, o pezu konke, uTixo obongekayo ku ze ku be pakade. Amen.

Dut. 10. 15. isa. 11. 28. Luk. 3. 23.

isa. 1. 3. Jer. 23. 6. 1 John. 5. 20.

6 Kepa a ngi tyo ukuti, izwi lika Tixo li putile. Ngokuba be nge sibo aba-Israeli bonke aba vela kuIsraeli.

isa. 3. 3. John. 8. 39. isa. 2. 28, 29. & 4. 12.

Gal. 6. 16.

7 Noma be inzalo ka Abrahamama, a sibobabantwana bonke; ku tiwa, Ngo-Isaka i ya kubizwa inzalo yako.

Gal. 4. 23. Gen. 21. 12. Heb. 11. 18.

8 Loku ku ti, abantwana benyama a sibobabantwana baka Tixo, kodwa abantwana besitimbiso ku tiwa ba inzalo.

Gal. 4. 28.

9 Izwi lesitimbiso ileli, lokuti, Ngo fika ngalesisikati, uSara u ya kuzala indodana.

Gen. 18. 10, 14.

10 A siko ukupela loku, kepa noRebeka, e se kuleliswe otile, uIsaka, ubaba wetu;

Gen. 25. 21.

11 (Be nga ka zalwa, be nga kenzi okuhle nokubi, ukuba icebo lokuketa kuka Tixo li nge mi ngemisebenzi, kodwa ngaye obizayo);

isa. 4. 17. & 8. 28.

12 Kwa tiwa kuye, Omkulu u ya kunkonza omneinyane.

Gen. 25. 23.

13 Njengokulotyweyo ukuti, Nga mtanda uJakobe, nga m zonda uIsau.

Dut. 21. 15. Mal. 1. 2, 3. Luk. 14. 26.

14 Se si ya kutini na? Ku kona ukungalungi kuTixo na? Ai!

Jobe 34. 10.

15 Wa ti kuMosi, Ngi ya kuba nomusa kwengi nomusa kuye, ngi m haukehle engi m haukelayo.

Eks. 33. 19.

16 Ngako a ku yi ngotandayo, a ku yi ngogijimayo, ku ya ngoTixo o nomusa.

17 Njalo umbalo u ti kuFaro, ngi ku misele kona loku, ukuba ngi bonakalise amandhla ami ngawo, igama lami li shunyayelwe ezweni lonke.

Gal. 3. 8. Eks. 9. 16.

18 Njalo u nomusa ku lowo a tanda ukuba nomusa kuye; u menza lukuni lowo, a tanda ukumenza lukuni.

19 Kona u ya kuti kimi, U sa solean



na? Ubani o melene nentando yake na? 2 Kron. 20. 6.

Jobe 9. 12. & 23. 13. Dan. 4. 35.

20 Ai! muntundini, u ubani wena o pikisana noTixo na? Okwenziweyo ku nga tyo kowa kwenzayo ukuti, U ngenzeleni nga ba nje na? Jobe 33. 13.

Isai. 29. 16. & 45. 9. & 64. 8.

21 Ka namandhla ini umbumbi pezu kwebumba, ukuba ngesigaxa si sinye a senze isitya esinye somsebenzi omuhle, nesinye somsebenzi omubi na?

Amazwi 16. 4. Jer. 18. 6. 2 Tim. 2. 20.

22 Noma uTixo, e tanda ukubonakalisa intukutelo yake nokuwazisa amandhla ake, wa zi twala ngokubekezela okukulu izitya zentukutelo ezi fanele ukufa; 1 Tes. 5. 9. 1 Pet. 2. 8. Jude 4.

23 Ukuba a wazise umcebo wobukosi bake izityeni zomusa, a be zilungiselele ukubosi; isa. 2. 4. & 8. 29. Ef. 1. 7.

24 Ngi tyo tina, a si bizileyo, a sibo abaJuda bodwa, kepa nabazizwe futi.

isa. 3. 29.

25 Njengaloku a ku tyoyo ngoHosea ukuti, Aba nge sibo abantu bami, ngi ya kubabiza ngokuti abantu bami, no nge siye otandekayo, ngi m bize ngokuti, otandekayo.

Hos. 2. 23. 1 Pet. 2. 10.

26 Ku za kuti ku leyondawo lapo kwa tyiwo kubo ukuti, A ni sibo abantu bami; kona lapo ba ya kubizwa ku tiwe, Abantwana baka Tixo opilileyo.

Hos. 1. 10.

27 uIsaya u memeza ngoIsraeli, u ti, Noma abantwana baka Israeli be ngenesihlabati sa solwandhle ngobuningi, ko sindiswa aba ingcozana.

Isai. 10. 22, 23. isa. 11. 5.

28 Ngokuba u ya qinisa izwi lake, u ya nquma ngokulunga; iNkosi i ya kwenza ezweni njengezwi layo elinqu-nyiyeyo. Isai. 28. 22.

29 Njengokutyo kuka Isaya ngapambili ukuti, Uma iNkosi yamabandhla i bi nga si shiyelanga inzalo nga be si njengeSodoma, nga be si fana neGomora. Isai. 1. 9. Isai. 13. 19.

30 Si za kutini na? Si ti, abezizwe aba nga landanga ukulunga, ba tolile ukulunga, ukulunga oku ngokukulwa.

isa. 4. 11. & 10. 20. isa. 1. 17.

31 Kepa abaIsraeli ngokulanda umteto wokulunga, a ba finyelelanga emtetweni wokulunga.

isa. 10. 2. & 11. 7. Gal. 5. 4.

32 Ngani na? Ngokuba be nga landi

ngokukulwa; ba landa ku nga ti ngenisebenzi yomteto. Ba kubeka etyeni lokukubekisa. Luk. 2. 34.

33 Njengokulotyiweyo ukuti Naku, ngi ya beka eZioni itye lokukubekisa, idwala lokucunula; a ti ilowo o kolwa ilo ka yi kujaba. Izihl. 118. 22.

Isai. 8. 14. & 28. 16. 1 Pet. 2. 6-8. isa. 10. 11.

## ISAPHLUKO 10.

**B**AZALWANE, ku ukufisa kwenhli-ziyo yami nokukuleka kuTixo ngabo abaIsraeli, ukuba ba sindiswa.

2 Ngi ya ba qiniselela ngi ti, ba kutalele uTixo, kepa be nga qondisise.

Imis. 21. 20. & 22. 3. Gal. 1. 14. & 4. 17.

isa. 9. 31.

3 Loku be ngazi ukulunga kuka Tixo, ba funa ukumisa ukulunga kwabo, a ba lalaelanga ukulunga kuka Tixo.

isa. 1. 17. Fil. 3. 9.

4 Ukugcina komteto ku uKristu, ku be ukulunga kubo bonke abakolwayo.

Mat. 5. 17.

5 uMosi u ya loba ukulunga oku ngomteto, u ti, Umuntu o zenza lezizinto u ya kupila ngazo. Levi 18. 5. Neh. 9. 29.

Hez. 20. 11, 13, 21. Gal. 3. 12.

6 Kepa ukulunga oku ngokukulwa ku ya tyo ukuti, U nga tyo enhliziyweni yako ukuti, Ubani o za kwenyukela ezulwini na? (loku ku ukuti, ukumeh- hliisa uKristu; ) Dut. 30. 12, 13.

7 Nokuti, Ubani o za kwehlela ekujuleni na? (loku ku ukuti, ukumkupula uKristu, kwabafileyo.)

8 Kepa ku tini na? Izwi li seduze nawe, li semlonyeni wako, na senhliziyweni yako; ilona izwi lokukulwa, esi li shumayelayo; Dut. 30. 14.

9 Lokuti, uma u vuma ngomlomo wako iNkosi uJesu, u kolwe ngenhliziyoyako ukuti uTixo wa m vusa kwabafileyo, u ya kusindiswa. Mat. 10. 32.

Luk. 12. 8.

10 Ngokuba umuntu u ya kolwa ngenhliziyoyake ku be ukulunga; u ya vuma ngomlomo wake, ku be ukusindiswa.

11 Umbalo u ti, Ilowo o kolwa uye ka yi kujaba. Isai. 28. 16.

12 A ku ko ukwahlukana kwabaJuda namaGrecki; ngokuba lowo u iNkosi yabo bonke, i fuyele bonke aba kuleka kuye. isa. 3. 22. Gal. 3. 28. Imis. 10. 36.

1 Tim. 2. 5.

13 Bonke aba ya kukuleka egameni leNkosi, ba ya kusindiswa. Joeli 2. 32.

Imis. 2. 21. & 9. 14.

14 Kepa ba ya kukuleka kanjani kuyena, aba nga kolwanga uye na? ba ya kukolwa kanjani uyena, aba ngezwannga ngaye na? ba ya kuzwa kanjani, ku nge ko oshumayelayo na?

Titusi 1. 3.

15 Ba ya kushumayela kanjani, be nga tunywa na? Njengokulotyiweyo ukuti, Yeka, zinhle izinyawo zaba shumayela ivangeli lokutula, abashumayela ivangeli lokulungileyo.

Isai. 52. 7.

Nah. 1. 15.

16 Kepa a ba lalengala ivangeli bonke; ngokuba uIsaya u ti, Nkosi, ku ya kolwa ubani inshumayelo yetu na?

isa. 3. 3. Isai. 53. 1. John. 12. 38.

17 Njalo ukukolwa ku ya ngokushunyayezwa, ku ti ukushunyayezwa ku ngezwi lika Tixo.

18 Kepa ngi ti, a bezwanga na? Yebo, ukushumayela kwabo kwa pumela ezweni lonke, amazwi abo a ya nasemikaulweni yomhlaba.

Izihl. 19. 4.

Mat. 24. 14. & 28. 19. Mark. 16. 15.

19 Kepa ngi ti, abaIsraeli ba be ngazi na? Kuqala, uMosi u ti, Ngi ya kunivusela umona ngaba nge siso isizwe, ngi ni cunule ngesizwe esi nga qondiyo.

Dut. 32. 21. isa. 11. 11. Titusi 3. 3.

20 Kepa uIsaya u mi isibindi, u ti, Nga funyaniswa aba nga ngi funiyo, nga bonakala kwa ba nga buzi ngami.

Isai. 65. 1. isa. 9. 30.

21 Kodwa u ti kubaIsraeli Usuku lonke ngelulele izandhla zami kubantu aba nga laleliyo nabapikayo.

Isai. 65. 2.

## ISAHLUKO 11.

**N**GI ti, uTixo u ba lahlike abantu bake na? Ai, nani ngi umIsraeli, owenzalo ka Abraham, womdeni ka Benjamini.

1 Sam. 12. 22. Jer. 31. 37.

2 Kor. 11. 22. Fil. 3. 5.

2 uTixo ka ba lahlike abantu bake a baziyo ngapanibili. A nazi ini ukuba u tini umbalo ngoElija na? ukuti u sola abaIsraeli kuTixo, e ti;

isa. 8. 29.

3 Nkosi, ba bulele abaprofeti bako, ba bidhlize amalati ako; ngi sele ngedwa, se be funa umpefumlo wami.

1 Ama. 19. 10, 14.

4 Kepa ukupendula kuka Tixo ku tini kuye? Ku ti, ngi zisalisele abantu aba izinkulungwane ezi isikombisa, aba nga guqanga ngamadolo kuBali.

1 Ama. 19. 18.

5 Se ku njalo na nga lesisikati, ba kona abaseleyo ngokuketa komusa.

isa. 9. 27.

6 Uma ku ya ngomusa, a ku sa yi ngemisebenzi; uma ku ya ngayo, kona umusa a u se umusa; kepa uma ku ya ngemisebenzi, a ku sa yi ngomusa; uma ku ya ngawo, kona imisebenzi a i se imisebenzi.

isa. 4. 4, 5. Gal. 5. 4.

Dut. 9. 4, 5.

7 Kona ku tini? Loku abaIsraeli aba ku funayo, a ba ku funyanisanga; kepa abaketiweyo ba ku fumene, abanye ba ba lukuni.

isa. 9. 31. & 10. 3.

8 Njengokulotyiweyo ukuti, uTixo u ba nikile umoya wobutongo, amehlo okungaboni, nezindhlebe zokungezwa, ku ze ku be namhla.

2 Kor. 3. 14.

Isai. 6. 9. & 29. 10. Mat. 13. 14.

9 Futi uDavida u ti, Ma ku ti, itebula labo li be umowane, nesibata, nento yokukubekisa, nokupindisela kubo:

Izihl. 69. 22, 23.

10 Ka fipale amehlo abo, ba nga boni, umhlana wabo u gobe njalo.

11 Ngi ti, Ba kubekile ukuze ba we na? Ai, kepa ngokuwa kwabo izizwe zi nokusindiswa, ba ze ba vuswe ba neintisane nazo.

Imis. 28. 28. isa. 10. 19.

12 Kodwa, uma ukuwa kwabo ku umcebo wezwe, nokunincipa kwabo ku umcebo wezizwe, kakulu ukupelela kwabo!

13 Ngi ya kuluma kinina bezizwe, loku ngi umpostoli wabezizwe, ngi babaza inkonzo yami;

Imis. 9. 15.

isa. 15. 16.

14 Ku nga ti ngi ba vuse abenyama yami ba neintisane nani, ngi sindise abanye kubo.

1 Kor. 7. 16. & 9. 22.

1 Tim. 4. 16. Jak. 5. 20.

15 Uma ukulahlwa kwabo ku ukubuyiswa kwezwe, ukwamkelwa kwabo ko ba ini, uma ku nge siko ukupila kwabafileyo na?

16 Uma ulibo lu ingewe, i njalo inhlama; uma ku ingewe impande, a njalo namagatya.

Levi 23. 10.

Imib. 15. 19, 20.

17 Kepa uma kwapulwe amagatya, wena u umhlwati wa sendhle wa fakwa pakati kwawo, wa hlanganyela nawo impande amanzi omhlwati;

Jer. 11. 16. Imis. 2. 39. Ef. 2. 12, 13.

18 U nga zikukumezi pezu kwamagatya; noma u zikukumeza, a si uwe o twele impande, impande e twele wena.

1 Kor. 10. 12.

19 U ya kuti wena, Kwapulwa amagatya ukuze ngi fakwe mina.

20 U qinisile; apulwa ngokungakoko-

lwa, u mi wena ngokukolwa. U nga zikukumezi, yesaba. isa. 12. 16.

Amazwi 28. 14. Isai. 66. 2. Fil. 2. 12.

21 Uma uTixo e nga yekanga amagatya okuvela, qapela, funa a nga ku yeki wena.

22 Bheka umusa nobukali buka Tixo; ubukali kubona aba be wile; kuwena umusa, uma u qinisa u me emuseni; uma ku nge njalo, u ya kunqunywa nawe. 1 Kor. 15. 2. Heb. 3. 6, 14. John. 15. 2.

23 Na labo, uma be ngemi ekungakolweni kwabo, ba ya kufakwa; uTixo u namandhla okubuya a ba fake.

2 Kor. 3. 16.

24 Uma wena wa nqunywa emhlwatini wa sendhle ngemvelo, wa fakwa emhlwatini omuhle, ku nge ngemvelo, kakulu labo, be ngamagatya ngemvelo, ba ya kufakwa emhlwatini wa kubo.

25 A ngi tandi, bazalwane, ukuba ni hlale ni ngazi lemahlakalo (funa ni zityo ni ti ni hlakanipile), yokuti, aba-Israeli behlelwe ubutuntu nganxanye, ku ze ku fike ukupelela kwabezizwe.

isa. 12. 16. 2 Kor. 3. 14. Luk. 21. 24.

Isam. 7. 9.

26 Njalo ba yakusindiswa aba-Israeli bonke, njengokulotyweyo ukuti, Ku za kuvela eZioni umkululi, a suse ukushinga kwaJakobe. Isai. 59. 20. Izihl. 14. 7.

27 Loku ku isivumelwano sami nabo, lapo ngi ya kušusa izono zabo,

Isai. 27. 9.

28 Ngokwvangeli ba izita ngenxa yenu; kepa ngokuketwa ba ngabatandweyo ngenxa yoyise babo.

Dut. 7. 8. & 9. 5. & 10. 15.

29 Ngokuba ukupa nokubiza kuka Tixo ku nge nakuguquka. Imib. 23. 19.

30 Njengani kade ni nga kolwa uTixo, kepa kaloku ni zuzile umusa ngokungakolwa kwabo; Ef. 2. 2. Kol. 3. 7.

31 Ku njalo na kaloku, bona a ba kolwanga, ukuba ngomusa wenu ba zuze umusa nabo.

32 uTixo u ba valele bonke ekungakolweni kwabo, ukuba a ba haukele bonke. isa. 3. 9. Gal. 3. 22.

33 Yeka ubude bomcebo, nokuhlakanipa, nokwazi kuka Tixo! ukwahlula kwaké a ku nakwaziwa, izindhlela zake a zi nakufunyanwa!

Izihl. 36. 6. & 92. 5. Jobe 11. 7.

34 Ubani owazileyo inhliziyi yeNkosi? ubani o i qondisileyo na?

Jobe 15. 8. Isai. 40. 13. Jer. 23. 18.

1 Kor. 2. 16. Jobe 36. 22.

35 Ubani owa qala wa i pa, ku buye ku piwe yena na? Jobe 35. 7. & 41. 11.

36 Loku izinto zonke zi kona nguye, zi ngaye, zi kuye, a ku be kuye udumiso ku ze ku be pakade, Amen!

1 Kor. 8. 6. Kol. 1. 16. Gal. 1. 5.

1 Tim. 1. 17. 2 Tim. 4. 18. Heb. 13. 21.

1 Pet. 5. 11. 2 Pet. 3. 18. Jude 25.

Isam. 1. 6.

## ISAHLUKO 12.

**N**GI ya ni ncenga ngaloku, bazalwane, ngesihau sikaTixo, ukuba ni nikele imizimba yenu, i be umnikelo opilileyo o ingwele, okolekileyo kuTixo, oku inkonzo yenu yokuqonda.

2 Kor. 10. 1. 1 Pet. 2. 5. Izihl. 50. 13, 14.

isa. 6. 13, 16, 19. 1 Kor. 6. 13, 20.

2 Ni nga lingisi lelizwe, ni pendukezelwe ngokwenziwa i ze i bentya inhliziyi yenu, ukuze ni bonisise oku intando ka Tixo, euhle, etandekayo, epeleleyo.

1 Pet. 1. 14. 1 John. 2. 15. Ef. 1. 18. & 4. 23.

Kol. 3. 10. 1 Tes. 4. 3.

3 Ngomusa engi u piweyo, ngi tyo kubo bonke ba kini, ukuba ba nga zindhlekeleli ba ti bakulu ku nokubafanele ba zindhlekele ngako, ma ba zindhlekele ngokuqonda, njengokuba uTixo e babelle ilowo isilinganiso sokukolwa.

isa. 1. 5. & 11. 20. Ums. 7. 16.

1 Kor. 12. 7, 11.

4 Njengokuba si namalungu amaningi emzimbeni munye, kepa amalungu onke a ka hlangani ngomsebenzi munye.

1 Kor. 12. 12. Ef. 4. 16.

5 Njalo tina, si baningi, si umzimba munye kuKristu; si ngamalungu, omunye u ilungu komunye.

1 Kor. 10. 17. & 12. 20, 27. Ef. 1. 23. & 4. 25.

6 Ku njalo, loku si nezipiwo ezahlukeneyo ngomusa esi u piweyo noma si nesokuprofeta, a si profete ngesilinganiso sokukolwa;

1 Kor. 12. 4, 10.

1 Pet. 4. 10, 14. Imis. 11. 27.

7 Noma si nesokukonza, a si konze; ku ti ofundisayo, a fundise;

Imis. 13. 1. 1 Tim. 5. 17.

8 Noyalayo, a yale; noabelayo, abele ngesihle; nobusayo, a buse ngokuqinisa; nohaukelayo, a haukele ngokutozo. Imis. 15. 32. Mat. 6. 1-3. # 2 Kor. 8. 2.

1 Pet. 5. 2. 2 Kor. 9. 7.

9 Utando ma lu nga bi nakuzenzisa. Ma ni nengwe okubi, ni namatele kokulungileyo.

1 Tim. 1. 5. 1 Pet. 1. 22.

Izihl. 97. 10.

10 A ni tandane ngokutandana kwa-bazalwane; ni neintisane ngokudumisa.

1 Pet. 1. 22. Fil. 2. 3.

11 Ni nga nqeni ukukutala, ni vute emoyeni, ni konze iNkosi;

12 Ni jabule ni netemba; ni bekezele ekhlupekeni; ni qinise ukukuleka;

Heb. 10. 36. Imis. 2. 42. & 12. 5.

13 Yabelani abangewele ukudinga kwabo; ni be mnene kwabangenisayo.

1 Kor. 16. 1. 2 Kor. 9. 1, 12. Heb. 6. 10.

& 13. 16. 1 John. 3. 17. 1 Tim. 3. 2.

Titusi 1. 8. Heb. 13. 2.

14 Ba busiseni aba ni hlupayo; busisani, ni nga tuki.

Mat. 5. 44.

15 Tokozani nabatokozayo, ni kale nabakalayo.

1 Kor. 12. 26.

16 A ni beuhliziyonye; ni nga kanuki okupakamileyo, ni holwe okutobekileyo; ni nga zityo ni ti ni hlakanipile.

isa. 15. 5. Fil. 2. 2. & 3. 16. 1 Pet. 3. 8.

Izihl. 131. 1, 2. Amazwi 3. 7. & 26. 12.

Isai. 5. 21. isa. 11. 25.

17 Ni nga pindiseli okubi ngokubi. Yenzani okuhle ebusweni babantu bonke.

Mat. 5. 39. isa. 14. 16. 2 Kor. 8. 21.

18 Uma ka ngenzeka, hlalani kahle nina nabantu bonke, ni be nokutula.

Mark. 9. 50. isa. 14. 19.

19 Ni nga zipindiseli, batandwa; ni dedele ulaka; ngokuba ku lotyiwe ukuti, Okwami ukupindisela; ngi ya kupindisela mina, i tyo iNkosi.

Levi 19. 18.

Dut. 32. 35. Heb. 10. 30.

20 Njalo uma ku lambe isita sako, u si pe ukudhla, noma somile, u si puzise, ngokwenza loku u ya kufumbela amalahle avutayo ekanda lake.

Eks. 23. 4, 5.

Amazwi 25. 21. 22.

21 U nga nqotywa okubi, kodwa nqoba okubi ngokuhle.

### ISAHLUKO 13.

**A**KU be ilowo a zihlele pansi kwamakosi amakulu; loku ku nge ko amakosi, a nga miswanga uTixo; amakosi a kona a misiwe uTixo.

Titusi 3. 1.

1 Pet. 2. 13. Dan. 2. 21. & 4. 32. John. 19. 11.

2 Njalo o melana namakosi, u melana nokumiselwe uTixo; kepa abemelana nawo ba ya kulahlwa.

Titusi 3. 1.

3 Amakosi ka sabeki emisebenzini emihle, a sabeka kwemibi. U ya tanda ukungesabi amakosi na? yenza okuhle, kona u ya kubongwa iwo:

1 Pet. 2. 14. & 3. 13.

4 Ngokuba inkosi i isikonzi sika Tixo kuwe, ku be kuhle: Kepa uma wenza

okubi, yesaba; ngokuba i nga si patelize isinkemba; i isikonzi sika Tixo, umpindiseli wokwehlisela ulaka kowenza okubi.

5 Ngaloku nga ni zihlela pansi kwawo; a ngi tyo ngolaka lodwa, kepa na ngokwenhliziyoy.

Ums. 8. 2. 1 Pet. 2. 19.

6 Na ngaloku ni ya tela imali; ngokuba be izikonzi zika Tixo, ba kutalela kona loku.

7 Ngako ke nikani bonke okufaneleyo; m telele o fanele ukutelelwa; m kokele o fanele ukukokelwa; m hlonipe o fanele ukuhlonitywa; m dumise o fanele ukudunyiswa.

Mat. 22. 21.

Mark. 12. 17. Luk. 20. 25.

8 Ni nga bi nacala la luto kumuntu, ku be elokutandana kupela; ngokuba o tanda omunye u su fezile umteto.

Kol. 3. 14. 1 Tim. 1. 5.

9 Ngokuba loku ukuti, U nga pingi, U nga bulali, u ngebi, U nga qinisele amanga, U nga nxaneli; noma ku kona omunye umteto, konke ku ya hlanguana na lelizwi lokuti, Wo tanda owakelene nawe njengokuzitanda kwako.

Eks. 20. 13-17. Dut. 5. 17-21. Mat. 19. 18.

Levi. 19. 18. Mark. 12. 31. Gal. 5. 14.

Jak. 2. 8.

10 Utando a lwenzi okubi kwabakeleneyo; ngako ke utando lu ya feza umteto.

Mat. 22. 40.

11 Yebo, loku sazi isikaŋi, ukuti, se ku isikati sokuba si vuke ebutongweni; ngokuba ukusindiswa kwetu se ku sondele kaloku, ku na ku lesosikati esa qala sa kolwa ngaso.

1 Kor. 15. 34.

Ef. 5. 14. 1 Tes. 5. 6.

12 Ubusuku se bu dhlula, ku za kusa; a si lahle imisebenzi yobumnyama, si hlome izikali zokukanya.

Ef. 5. 11. & 6. 13.

13 Si hambe ngokufaneleyo njengasemini; si nga hambu ngokubensa noku-dakwa; si nga hambu ngokuhlobonga nobufefe; si nga hambu ngenkani nomona;

1 Tes. 4. 12.

Amazwi 23. 20. Luk. 21. 34. 1 Pet. 4. 3.

1 Kor. 6. 9. Jak. 3. 14.

14 Kodwa nambate iNkosi uJesu Kristu, ni nga dhlinzekeli izinkanuko zenyama.

Gal. 3. 27. & 5. 16. Ef. 4. 24.

Kol. 3. 10. 1 Pet. 2. 11.

### ISAHLUKO 14.

**Y**AMKELANI obutakataka ekukolweni; ku nga bi ngokwahlula kwenicabango. isa. 15. 1. 1 Kor. 8. 9, 11. & 9. 22.

2 Omunye u ti a nga dhla izinto zonke, kepa obutakataka u ya dhla izilimo.

3 Odhlayo a nga deli ongadhliyo: ongadhliyo a nga m ahluleli odhlayo; loku uTixo e m amkele. Kol. 2. 16.

4 Wena u ngubani o yahlulela ineeku yomunye umuntu na? Noma i ma, noma i wa, ku senkosini yayo. Kepa i ya kuma ngokuba uTixo u namandhla okuinisa. Jak. 4. 12.

5 Omunye u ya keta izinsuku, u ti zinhle ku nezinye; omunye u ti izinsuku zonke, zi ya fana; a ku be ilowo a qiniseke enhliziyweni yake. Gal. 4. 10.

6 O gcina usuku, u ya lugcina ngenxa yeNkosi; o nga gcini usuku, a ka lu gcini ngenxa yeNkosi. Odhlayo u ya dhla ngenxa yeNkosi, ngokuba e bonga uTixo; ongadhliyo a ka dhli ngenxa yeNkosi; kepa u ya bonga uTixo. 1 Kor. 10. 31. 1 Tim. 4. 3.

7 Ngokuba ku nge ko muntu wa kiti o zipilelayo yena, a ku ko nozifelayo. 1 Kor. 6. 19, 20. Gal. 2. 20. 1 Tes. 5. 10.

1 Pet. 4. 2.

8 Uma si pila, si pilela iNkosi; uma si fa, si fela iNkosi; njalo noma si pila, noma si fa, si ngabeNkosi.

9 Ngenxa yaloku uKristu wa fa, wa vuka, wa pila, ukuze a be iNkosi yabafileyo nabapilayo. 2 Kor. 5. 15.

Imis. 10. 36.

10 Kepa u m ahlulelani umzalwane wako na? u m eiselani umzalwane wako na? loku tina sonke si ya kuma pambi kwesihlalo sokwahlula sika Kristu. Mat. 25. 31, 32.

11 Ngokuba ku lotyiwe ukuti, Ngi kona, i tyo iNkosi, amadolo onke a ya kugqua kimi, nezilimi zonke zi bongwe uTixo. Isai. 45. 23. Fil. 2. 10.

12 Njalo tina sonke si ya kuzipendulela kuTixo. Mat. 12. 36. Gal. 6. 5.

1 Pet. 4. 5.

13 Ngako ke a si nga be si sahlulelana; kepa yahlulani loku ukuti, ni nga bekeleli umzalwane isikubekiso, nento yokumonisa. 1 Kor. 8. 13. & 10. 32.

14 Ngi yazi, ngi ya kolwa ngoJesu Kristu, ukuti a ku ko luto olubi ngokwalo, kupela ku lowo o tyoyo lubi, ku yena lubi. Imis. 10. 15. 1 Kor. 8. 7, 10.

15 Uma umzalwane wako u cunukile ngokudhla, a u sa haubi ngotando. U nga m bubisi ngokudhla kwako, lowo a m felayo uKristu. 1 Kor. 8. 11.

16 A ku nga tukwa okuhle kwenu.

isa. 12. 17.

17 Umbuso ka Tixo a u siko ukudhla nokupuza; u ukulunga, nokutula, nokutokoza ngoMoya o ingewele.

1 Kor. 8. 8.

18 O konza uKristu ngaloku, u kolekile kuTixo, u tandeka kubantu.

2 Kor. 8. 21.

19 Njalo a si lande okokutula nokokwakisana.

Izihl. 34. 14.

isa. 12. 18. & 15. 2. 1 Kor. 14. 12.

1 Tes. 5. 11.

20 U nga dilizi umsebenzi ka Tixo ngenxa yokudhla. Kuhle konke, kepa kubi ku lomuntu o cunula ngokudhla.

Mat. 15. 11. Titusi 1. 15. 1 Kor. 8. 9-12.

21 Kuhle u nga dhli inyama, u nga puzi iwaini, nanye into a kubeka ngayo umzalwane wako, a cunuke, a be butakataka.

22 U nokukulwa na? yiba nako wena pambi kuka Tixo. U busisiwe o nga zilahlil ngaloko, a kolwa iko. 1 John. 3. 21.

23 Kepa o ngabazayo, uma e dhla, u lahliwe, ngokuba e nga dhli ngokukulwa konke oku nge ngokukulwa ku isono.

#### ISAPHLUKO 15.

**N**JALO ku fanele tina esi namandhla si bekezele ubutakataka babange-namandhla, si nga zitokozisi tina.

Gal. 6. 1. isa. 14. 1.

2 A ku be ilowo wa kiti a m tokozise owakelene naye, ku be kuhle, ku luluke. 1 Kor. 9. 19, 22. & 10. 24, 33. & 13. 5.

isa. 14. 19.

3 Ngokuba naye uKristu e nga zikolisanga yena, kepa njengokulotyiweyo ukuti, Ukutuka kwabakutukayo pambili ku nge hlele mina. John. 5. 30.

Izihl. 69. 9.

4 Konke okwa lotywa pambili, kwa lotyelwa ukusifundisa, ukuba si be netemba ngokubekezela, na ngokutokoza oku ngemibalo. 1 Kor. 9. 9, 10. & 10. 11.

2 Tim. 3. 16, 17.

5 A ku ti uTixo wokubekezelisa nokutokozisa a ni pe ni be nokuqonda kunye ngokuka Kristu Jesu; 1 Kor. 1. 10.

Pil. 3. 16.

6 Ukuze ku ti ngenhliziyonye, na ngomlomo munye, ni m dumise uTixo, uYise, weNkosi yetu uJesu Kristu.

Imis. 4. 24, 32.

7 Njalo yamkelanani njengoJesu wa samkela, ku bongwe uTixo. isa. 14. 1, 3.

isa. 5. 2.

8 Ngi ti, uJesu Kristu wa ba isikonzi sabasokileyo ngesiminya sika Tixo, uku-

ba a qinise izitembiso, aba tenjiswa ngazo obaba. Mat. 15. 24. John. 1. 11.

isa. 3. 3. 2 Kor. 1. 20.

9 Nokuba abezizwe ba m dumise uTixo ngomusa wake, njengokulotywaye ukuti, Ngaloku ngi ya kukulumisa ezizweni, ngi hlabelele igama lako. John. 10. 16. Izihl. 18. 49.

10 U tyo futi ukuti, Jabulani, nina zizwe, kanye nabantu bake. Dut. 32. 43.

11 Nokuti, Dumisani iNkosi, nina zizwe zouke, ni i bonge, bantu bouke.

Izihl. 117. 1.

12 NoIsaya u ti, Ko ba kona o impande ka Jese, o za kuvela, a buse izizwe; zi ya kwetemba kuyena. Isai. 11. 1, 10.

Isam. 5. 5. & 22. 16.

13 uTixo wokwetemba a ni gwalise ngokujabula nokutula konke ngokukolwa, ni ze ni vame ukwetemba ngamandhla ka Moya o ingewele.

isa. 12. 12. & 14. 17.

14 Ngì ya kolwa ngani, bazalwane, mina uqobo, ukuti, ni zele okuhle, ni gewele ukwazi konke, ni namandhla okululekana. 2 Pet. 1. 12. 1 John. 2. 21.

1 Kor. 8. 1, 7, 10.

15 Kepa, bazalwane, ngi ni lobele ngesibindi, nganxanye, ku nga ti ngi ni kumbuzi, ngomusa engi u piwa uTixo.

isa. 1. 5. & 12. 3.

16 Wokuba ngi be isikonzi sika Jesu Kristu ezizweni, ngi konze ngevangeli lika Tixo ukuze ukunikelwa kwabezizwe ku be kuhle, ku hlanjululwa ngomoya o ingewele. isa. 11. 13. 1 Tim. 2. 7.

2 Tim. 1. 11. Fil. 2. 17.

17 Njalo ngi nokuzincoka ngoKristu Jesu, ngokuka Tixo. Heb. 5. 1.

18 Ngokuba ngi nge be nasibindi sokukuluma uto lwa lezozinto, uKristu, a nga zenzanga ngami, ba ze ba lalele abezizwe, ngezwi, na ngemisebenzi.

Imis. 21. 19. Gal. 2. 8. isa. 1. 5. & 16. 26.

19 Ngamandhla ezibonakaliso, nemi-mangaliso, ngamandhla ka Moya o ingewele; ku ze ku ti, ngi shumayelevangeli lika Kristu, ku suka eJerusalem na na sezweni la kona, ku ze ku fike eIliriko; Imis. 19. 11. 2 Kor. 12. 12.

20 Ngì zama ukushumayela ivangeli ngokunjalo, a ngi tyo lapo laziwa kona igama lika Kristu, funa ngake esisekelweni somunye muntu; 2 Kor. 10. 13-16.

21 Kepa njengokulotywaye ukuti, Aba nga tyelwanga ngaye, ba ya kubona; naba ngezwanga ba ya kuqonda;

Isai. 52. 15.

22 Ku ngaloku ngi tijeke kaningi ukuza kini. isa. 1. 13. 1 Tes. 2. 18.

23 Kepa manje, loku ngi nga se nandawo ku lamazwe, se ku iminyaka eminingi ngi fisa ukuza kini;

Imis. 19. 21. isa. 1. 11.

24 Nxa ngi ya eSpania, ngi yetemba ukunibona ekudhluleni kwami, ngi pelekezwele ni kona, uma se ngi suti nganxanye ukubonana nani. Imis. 15. 3.

25 Kepa manje ngi sa ya eJerusalema, ngi konze abangewele.

Imis. 19. 21. & 20. 22. & 24. 17.

26 Ngokuba aba seMakedonia, naba se Akaya ba be ti kuhle ukubabela abampofu kwabangewele ba seJerusalema.

1 Kor. 16. 1. 2 Kor. 9. 2.

27 Yebo, ba be ti kuhle; ba necala labo. Ngokuba, uma abezizwe be hlanganye okomoya kwabo, ba necala lokubakonza ngokwenyama. isa. 11. 17.

1 Kor. 9. 11. Gal. 6. 6.

28 Ngakoke, nxa se ngi qedile loku, ngi nikizele kubo lesisithi, ngi ya kuhamba ngi dhlule kini ukuya eSpania.

Fil. 4. 17.

29 Ngì yazi, ekufikeni kwami kini ngi ya kufika ngi vama izibusiso zevangeli lika Kristu. isa. 1. 11.

30 Ngì ya ni ncenga bazalwane, ngayo iNkosi yetu uJesu Kristu, na ngotando luka Moya, ukuba ni bambisane nami ngokungikulekela kuTixo: Fil. 2. 1.

2 Kor. 1. 11. Kol. 4. 12.

31 Ukuba ngi sindiswe kwabangakolwayo ba seJudia, nokuba ku be kuhle kwabangewele isitelo engi si yisa eJerusalema; 2 Tes. 3. 2. 2 Kor. 8. 4.

32 Ngì fike kini ngi nokutokoza ngentando ka Tixo, ngi punyuzwe kanye nani. isa. 1. 10. Imis. 18. 21. 2 Tim. 1. 16.

33 uTixo wokutula a ka be nani nokene. Ameni. isa. 16. 20.

1 Kor. 14. 33. 2 Kor. 13. 11. Fil. 4. 9.

1 Tes. 5. 23. 2 Tes. 3. 16. Heb. 13. 20.

## ISAHLUKO 16.

**N**ANGO uFebe, umzalwanekazi wetu, no izikonzi sebandhla la seKenkrea.

Imis. 18. 18.

2 Ni m amkele eNkosini ngokufanele abangewele; ni m size ngako konke a ku funayo kini; ngokuba u ba sizile abaningi, nami uqobo. Fil. 2. 29.

3 Ni ngi konzele koPrisila noAkwila, izisebenzi kanye nani kuKristu Jesu;

Imis. 18. 2.

4 Ngenxa yokuphila kwami ba zi beka

izintamo zabo; engi nga ba bongi mina ngedwa, kepa be bongwa amabandhla onke ezizwe.

5 Ni ngi konzele na sebandhleni eli sekaya labo. Ni ngi konzele kuEpenetu, isitandwa sami, o ngulibo lwa se-Akaya kuKristu.

1 Kor. 16. 15, 19. Kol. 4. 15. Filemone 2.

6 Ni ngi konzele kuMaria, o be si sebenzela kakulu.

7 Ni ngi konzele koAndroniko noJunia, izihlobo zami, izibotywa kanye nami, abadumileyo kubapostoli, ba be ku-Kristu ngapambili kwami. Gal. 1. 22.

8 Ni ngi konzele kuAmplia, isitandwa sami eNkosini.

9 Ni ngi konzele kuUrbane, isisebenzi kanye nati kuKristu, na kuStaku, isitandwa sami.

10 Ni ngi konzele kuApele, o qinisekileyo kuKristu. Ni ngi konzele kwabaka Aristobulo.

11 Ni ngi konzele kuHerodiana, isihlobo sami. Ni ngi konzele kwabaka Narkiso, aba seNkosini.

12 Ni ngi konzele koTrufena noTrufosa, aba sebenza eNkosini. Ni ngi konzele kuPersi otandekayo, o wa sebenza kakulu eNkosini.

13 Ni ngi konzele kuRufo, oketiweyo eNkosini; na kuye unina wake nowami. 2 John. 1.

14 Ni ngi konzele koAsinkrita, noFlegone, noHerma, noPatroba, noHerme, nabazalwane aba nabo.

15 Ni ngi konzele koFilologo, noJulia, uNero nodade wabo, noOlimpa, nabangewele bonke aba nabo.

16 No konzalana ngokwangana okungewele, A ya konza kini amabandhla ka Kristu. 1 Kor. 16. 20.

2 Kor. 13. 12. 1 Tes. 5. 26. 1 Pet. 5. 14.

17 Ngi ya ni yala, bazalwane, ukuba ni qapele abaxabisayo, nabakubekisayo, be pambene nokufundiswa, eni ku fundileyo, ni dede kubo. 2 Tes. 3. 6, 14.

2 Tim. 3. 5. Titusi 3. 10. 2 John. 10.

18 Ngokuba abanjalo a ba i konzi iNkosi yetu uKristu, ba konza isisu sabo; ngokushumayela okuhle na ngokubonga, bedusa izinhliziyzo za ba nge nacala laluto. Fil. 3. 19. Kol. 2. 4. 1 Tim. 6. 5.

2 Tim. 3. 6. Titusi 1. 10. 2 Pet. 2. 3.

19 Ukulalela kwenu ku zwakele kubantu bonke. Njalo ngi ya tokoza ngani. Kepa ngi tanda ukuba ni hlakanipe ngokuhle, ni nga bi nacala ngokubi.

isa. 1. 8. Mat. 10. 16. 1 Kor. 14. 20.

20 uTixo wokutula u ya kumcoboza uSatani pansi. kwezinyawo zenu masinyane. Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be nani. Ameni. isa. 15. 33. Gen. 3. 15. 1 Kor. 16. 23. 2 Kor. 13. 14.

Fil. 4. 23. 1 Tes. 5. 28. 2 Tes. 3. 18. Isam. 22. 21.

21 U ya konza kini uTimote, isisebenzi kanye nami, noLukio, noJasone, noSosipatere, izihlobo zami. Imis. 16. 1.

1 Tes. 3. 2. 1 Tim. 1. 2. || Imis. 13. 1. & 17. 5. & 20. 4.

22 Mina Tertio, engi lobile lenewadi, ngi ya konza kini eNkosini.

23 U ya konza kini uGayo, o ngi ngenisayo, mina nebandhla lonke. U ya konza kini uErasto, induna yomuzi, noKwarto umzalwane. 1 Kor. 1. 14.

2 Tim. 4. 20.

24 [Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu, a u be nani nonke. Ameni.] 1 Tes. 5. 28.

25 Kuyena o namandhla okuniqinisa ngokwevangeli lami, nokushumayela kuka Jesu Kristu, ngokwambulwa kwemfihlakalo, e bi fihliwe iloku kwa dabuka izwe, Ef. 3. 20. 1 Tes. 3. 13.

2 Tes. 2. 17. & 3. 3. Jude 24. isa. 2. 16.

Ef. 1. 9. & 3. 3-5. Kol. 1. 27. 1 Kor. 2. 7.

26 Kepa manje i bonakaliswe ngemibalo yabaprofeti ngokuyala kuka Tixo o pakade, ya menyezela ezizweni zonke, ku be ukulalela oku ngokukulwa.

2 Tim. 1. 10. Titusi 1. 2, 3. 1 Pet. 1. 20.

Imis. 6. 7. isa 1. 5. & 15. 18.

27 KuTixo owaziyo yedwa, a ku be udumiso ngoJesu Kristu, ku ze ku be pakade. Ameni. 1 Tim. 1. 17. Jude 25.

## SEKORINTE.

### ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, owa miswa umpostoli ka Jesu Kristu ngentando ka Tixo, no-Sostene umzalwane. Rome 1. 1.

2 Kor. 1. 1. Ef. 1. 1. Kol. 1. 1. Imis. 18. 17.

2 Kulo ibandhla lika Tixo eli seKorinte, abangewele kuKristu Jesu, aba biziwe ba be abangewele, kanye nabo bonke aba kuleka egameni leNkosi yetu uJesu Kristu, eyabo neyetu, ezindaweni zonke; Jude 1. John. 17. 19. Imis. 15. 9.

Rome. 1. 7. 2 Tim. 1. 9. Imis. 9. 14.

isa. 8. 6. Rome 3. 22.

3 A ku be kini umusa nokutula, oku vela kuTixo, uBaba wetu, na seNkosini uJesu Kristu. Rome 1. 7.

4 Ngi ya m bonga uTixo ngesikati sonke ngenxa yenu, ngomusa ka Tixo, eni u piweyo ngoKristu Jesu;

5 Ngokuba ni cebiswe uye ngako konke, ngokushumayela konke, na ngokwazi konke; isa. 12. 8. 2 Kor. 8. 7.

6 Loku ukufakazela kuka Kristu kwa qiniswa inina; isa. 2. 1. 2 Tim. 1. 8.

Isam. 1. 2.

7 Njalo a ni silalelwe isipiwo nasinye, ni lunde ukufika kweNkosi yetu uJesu Kristu. Fil. 3. 20. Titusi 2. 13 2 Pet. 3. 12.

8 O ya kuniqinisa ku ze ku be sekupeleni, ni nga bi nakutweswa icala ngosuku lweNkosi yetu uJesu Kristu.

1 Tes. 3. 13. & 5. 23. Kol. 1. 22.

9 uTixo u qinisile, ena bizelwa uye ehlanganyelweni yeNdodana yake, uJesu Kristu iNkosi yetu. isa. 10. 13. John. 15. 4. & 17. 21. 1 John. 1. 3. isa. 11. 18.

10 Ngi ya ni nxusa, bazalwane, ngabama leNkosi yetu uJesu Kristu, ukuba ni kulume izwi li be liuye nonke, ku nga bi ko inkani kini; ni pelele ni behliziyo, ni be nokuqonda kunye.

Rome. 12. 16. 2 Kor. 13. 11.

11 Ngokuba ngi tyeliwe ngani, bazalwane bami, ngaba kwa Kloe, ukuti, ku kona inkani kini.

12 Ngi tyo omunye wa kini u ti, Mina ngi ngoka Paule; a ti omunye, Mina ngi ngoka Apolo; a ti omunye, Mina ngi ngoka Kefasi; a ti omunye, Mina ngi ngoka Kristu. isa. 3. 4. Imis. 18. 24.

John. 1. 42.

13 uKristu wahlukanisiwe na? uPaule na m betelwa na? na bapatizelwa egameni lika Paule na? Ef. 4. 5.

14 Ngi ya m bonga uTixo, ngokuba ngi nga bapatizanga umuntu wa kini, kupela oKrispo noGayo. Imis. 18. 8.

Rome 16. 23.

15 Ukuba ku nga tyo umuntu ukuti, nga bapatizela egameni lami.

16 Nga bapatiza nabendhlu ka Stefana; ngapandhle kwabo, a ngazi ukuba nga bapatiza umuntu. isa. 16. 15, 17.

17 Ngokuba uKristu ka ngi tumanga ukuba ngi bapatize; wa ngi tuma ukuba ngi shumayele ivangeli; ngi nga shumayeli ngokuhlakanipa kwamazwi, funa isipambano sika Kristu si be ize.

isa. 2. 1, 4, 13. 2 Pet. 1. 16.

18 Ngokuba i ize kwababubayo indaba yesipambano; kepa kitina abasindisiweyo, i ngamandhla ka Tixo.

2 Kor. 2. 15. Imis. 17. 18. isa. 2. 14. & 15. 2. Rome 1. 16.

19 Ku lotyiwe ukuti, Ngi ya kucita ukuhlakanipa kwabahlakanipileyo, ngi kwenzize ukuqonda kwabaqondileyo.

Jobe 5. 12, 13. Isai. 29. 14. Jer. 8. 9.

20 U pi ohlakanipileyo? u pi umbali? u pi umpikisi wa lelizwe? uTixo ka kwenzize ukuhlakanipa kwa lelizwe na? Isai. 33. 18. & 44. 25.

Jobe 12. 17, 20, 24. Rome 1. 22.

21 Loku, ngokuhlakanipa kuka Tixo, izwe li nga m azanga uTixo ngokuhlakanipa, kwa ba kuhle kuTixo ukuba a sindise abakolwayo ngokushumayela oku ize; Mat. 11. 25. Rome 1. 20, 21, 28.

22 Ngokuba abaJuda ba biza isibonakaliso, amaGrecki a funa ukuhlakanipa; Mat. 12. 38.

23 Kepa tina si shumayela uKristu obetelweyo, o isikubekiso kubaJuda, o ize kumaGrecki;

Isai. 8. 14. Mat. 11. 6. & 13. 57. isa. 2. 14.

24 Kodwa kwababiziweyo, nabaJuda namaGrecki, uKristu o ngamandhla ka Tixo nokuhlakanipa kuka Tixo.

Rome 1. 16. Kol. 2. 3.

25 Ngokuba oku ize kuka Tixo ku hla-kanipile ku nabantu, nobutakataka buka Tixo bu namandhla ku nabantu.



26 Bhekani ukubizwa kwenu bazalwane, ukuti, ka ba baningi abahlakanipileyo ngokwenyama, ka ba baningi abakulu, ka ba baningi abadumileyo; John. 7. 48.

27 Kodwa uTixo u ketile oku ize kwezwe, ukuba a jabise abahlakanipileyo; uTixo u ketile ubutakataka bezwe, ukuba a jabise oku namandhla; Mat. 11. 25. Jak. 2. 5. Izihl. 8. 2.

28 Nokumpofana kwezwe, nokudelelweyo, uTixo u ku ketile, yebo, nokungeko, ukuba a kwenzize okukona; Rome 4. 17. isa. 2. 6.

29 Ku ze ku nga bi ko inyama ezibogayo pambi kwake. Rome 3. 27. Ef. 2. 9.

30 Kepa nina ngaye ni kuKristu Jesu, owenzelwa tina nguTixo ukuhlakanipa, nokulunga, nobungewele, nokukululwa; Jer. 23. 5, 6. Rome 4. 25. 2 Kor. 5. 21. Fil. 3. 9. John. 17. 19. Ef. 1. 7.

31 Ukuze ku ti, njengokulotyweyo, Otokozayo, ka tokoze eNkosini. Jer. 9. 23, 24. 2 Kor. 10. 17.

### ISAHLUKO 2.

**N**AMI, bazalwane, ekuzeni kwami kini, a ngi zanga ngi shumayela kini izindaba zika Tixo ngobuhle bokukuluma nobokuhlakanipa. isa. 1. 17.

2 Kor. 10. 10. & 11. 6. isa. 1. 6.

2 Ngokuba nga tyo nga ti, a ngi yi kwazi luto kini, kupela uJesu Kristu, yena e betelwe. Gal. 6. 14.

3 Nga be ngi kona kini ngi nobutakataka, nokwesaba nokutumelama okukulu. Imis. 18. 1, 6, 12.

2 Kor. 11. 30. & 12. 5, 9. Gal. 4. 13.

4 Kwa ti ukukuluma kwami nokushumayela kwami a kwa ya ngamazwi ahulayo ngokuhlakanipa kwabantu; kwa ya ngokubonakalisa kuka Moya nokwamandhla; 2 Pet. 1. 16. Rome 15. 19. 1 Tes. 1. 5.

5 Ukuze ukukolwa kwenu ku ngemi ngokuhlakanipa kwabantu, ku me ngamandhla ka Tixo. 2 Kor. 4. 7. & 6. 7.

6 Kepa si ya kuluma ukuhlakanipa ku labo abapeleleyo; a ni tyo ukuhlakanipa kwa lelizwe nokwamakosi a lelizwe, a pelayo. isa. 14. 20. & 1. 20. & 3. 19. Jak. 3. 15.

7 Kodwa si ya kuluma ukuhlakanipa kuka Tixo ku semfihlakalweni, okwa ku fihliwe, uTixo a ku misela ubukosi betu, izwe li nga ka biko; 2 Tim. 1. 9.

8 Oku ngaziwanga amakosi a lelizwe,

neyodwa; uma a e kwazi, nga e nga i betelanga iNkosi edumileyo. Mat. 11. 25.

John. 7. 48. Luk. 23. 34. Imis. 3. 17.

9 Kodwa njengokulotyweyo ukuti, Iso a li ku bonanga, indhlebe a i ku zwanga, a ku ngenanga enhliziyweni yomuntu loko uTixo a ku lungiseleyo abamandayo. Isai. 64. 4.

10 Kodwa uTixo u ku bonakalisile kitina ngoMoya wake; ngokuba uMoya e penya konke, yebo, nokujuliweyo kuka Tixo. Mat. 13. 11. John. 14. 26.

11 Umupi umuntu owazi okomuntu kupela umoya womuntu o kuye na? na njalo okuka Tixo a kwaziwama muntu, kupela uMoya ka Tixo. Amazwi 20. 27. Rome 11. 33, 34.

12 Kepa tina a samkeliswanga umoya wewze, samkeliswa umoya o vela kuTixo, ukuze si kwazi esi ku piwe uTixo ngesihle. Rome 8. 15.

13 Esi nga ku shumayeli ngamazwi a qanjwa ukuhlakanipa kwabantu, kodwa ngamazwi a qanjwa uMoya o ingewele, si casisela okomoya ngokomoya. isa. 1. 17.

14 Kepa umuntu owenyama ka kwamkeli okuka Moya ka Tixo, loku ku ize kuye; a nge ku qonde, ngokuba ku bonisiswa ngokomoya. isa. 1. 18, 23. Rome 8. 5-7.

15 Owomoya u bonisisa konke, kepa yena ka bonisiswa muntu. Amazwi 28. 5. I John 4. 1.

16 Ngokuba ubani o yaziyo inhliziyoyeNkosi, ukuba a i fundise na? Kepa tina si nenhliziyo ka Kristu. Isai. 40. 13. Rome 11. 34. John. 15. 15.

### ISAHLUKO 3.

**N**AMI, bazalwane, be ngi nge naku-kuluma kini njenga kwabomoya, kodwa njenga kwabenyama, na njenga kwaba izingane kuKristu. isa. 2. 14, 15. Heb. 5. 13.

2 Ngi ni pile ubisi; a ngi ni panga ukudhla okulukuni; ngokuba be ni nga ka bi namandhla, yebo, namanje a ni ka be namandhla. Heb. 5. 12, 13. I Pet. 2. 2. John. 16. 12.

3 Ngokuba ni se ngabenyama; loku ku kona kini umona nokuxabana, nenkani, a ni sibo abenyama, ni hamba ngokwabantu na? isa. 1. 11. & 11. 18. Gal. 5. 20. Jak. 3. 16.

4 Nxa omunye e ti, Mina ngi ngoka Paule, a ti omunye, Mina ngi ngoka Apolo; a ni sibo abenyama na? isa. 1. 12.

5 Ubani uPaule? ubani uApolo? Ba izikonzi ena kolwa ngazo, kwa ba ilowo njengaloku iNkosi i m nikile.

isa. 4. 1. 2 Kor. 3. 3. Rome 12. 3.

6 Mina nga tyala, uApolo wa netisa; kodwa uTixo wa milisa.

Imis. 18. 4-11. isa. 4. 15. & 9. 1. & 15. 1. 2 Kor. 10. 14, 15. Imis. 18. 27. || isa. 1. 30. & 15. 10.

7 Njalo otyalayo ka luto, nonetisayo ka luto; kodwa uTixo omilisayo.

2 Kor. 12. 11. Gal. 6. 3.

8 Otyalayo nonetisayo banye; ilowo u ya kwankeliswa umvuzo wake nge-misebenzi yake.

Izihl. 62. 12. isa. 4. 5. Gal. 6. 4, 5.

9 Ngokuba tina si izisebenzi zika Tixo; nina ni insimu ka Tixo, ni indhlu ka Tixo.

2 Kor. 6. 1. Ef. 2. 20.

Kol. 2. 7. Heb. 3. 3, 4. 1 Pet. 2, 5.

10 Ngomusa ka Tixo engi u piweyo, njengeuyanga yokwaka ehlananipileyo, nga beka isisekelo, omunye waka pezu kwaso. Kepa a ku be ilowo a bheke ukuba ake kanjani pezu kwaso.

Rome 1. 5. & 15. 20. Isam. 21. 14.

11 Ngokuba esinye isisekelo si nge be-kwe muntu, kupela lesa esibekiweyo, esi uJesu Kristu.

Isai. 28. 16. Ef. 2. 20.

12 Uma umuntu aka pezu kwa lesisekelo igolide, isiliva, amatye anahle, imiti, utyani, izibi;

13 Imisebenzi yabantu bonke i za kuvewa obala; usuku lu za kuitiyengisa, ngokuba i za kubonakaliswa ngomlilo; umlilo u za kulinga imisebenzi yabantu bonke, ukuba u njani.

isa. 4. 5. Luk. 2. 35.

14 Uma umsebenzi womuntu, a wakileyo pezu kwaso, u mi, u ya kwankeliswa umvuzo.

isa. 4. 5.

15 Uma umsebenzi womuntu u tya, u ya kulahlekelwa; kodwa yena u ya kusindiswa uqobo lwake; kepa ku be njenga ngomlilo.

Jude 23.

16 A nazi ini ukuti, ni itempeli lika Tixo, nokuti uMoya ka Tixo, u hlezi kinina?

isa. 6. 19.

2 Kor. 6. 16. Ef. 2. 21.

17 Uma umuntu e cita itempeli lika Tixo, uTixo u ya kumeita yena; ngokuba itempeli lika Tixo li ingewe, eni ilu.

18 A nga zikhohlisi muntu, Uma umuntu kinina e ti, u hlakanipile ku leli-zwe, a ka be isilua, ukuze a hlakanipe.

Amazwi 3. 7. Isai. 5. 21.

19 Ukuhlakanipa kwa lelizwe ku ize kuTixo. Ku lotyiwe ukuti, U ya bamba abahlakanipile ebuqilini babo.

isa. 1. 20. & 2. 6.

20 Nokuti, iNkosi i ya kwazi ukuzindhla kwabahlakanipileyo, ukuti, ku ize.

Izihl. 94. 11.

21 Ngakoke umuntu a nga zibongi ngabantu; ngokuba konke ku ngokwenu;

isa. 1. 12. & 4. 6.

22 Noma uPaule, noma uApolo, noma uKefasi, noma izwe, noma ukupila, noma ukufa, noma okukoua, noma okuzayo; konke ku ngokwenu;

23 Nina ni ngabaka Kristu; uKristu u ngoka Tixo. 2 Kor. 10. 7. Gal 3. 29.

#### ISAHLUKO 4.

**M**A ku be ilowo a tyo ngati ukuti, si izikonzi zika Kristu, nababonisi bemfihlakalo ka Tixo.

isa. 3. 5.

2 Kor. 6. 4. Kol. 1. 25. Titusi 1. 7.

1 Pet. 4. 10.

2 Kepa ku bhekiwe kubabonisi ukuba ilowo a funyanwe e kolekile.

3 Kodwa kimina ku intwana ukuba ngahlulelwe inina, noma ngahlulelwa ngokwabantu; yebo a ngi zahluleli.

isa. 3. 13.

4 Ngokuba a ngazi luto ngokwami; kepa a ngi telelelwa ngaloku; o ngahlulelayo u iNkosi.

Jobe 9. 2. Izihl. 143. 2.

Amazwi 21. 2. Rome 3. 20.

5 Ngako ni ngahluleli nanto ku nga ka bi isikati, ku ze ku fike iNkosi, e ya kuvewa obala okufihlakeleyo ebumnyameni, i bonakalise ukuzindhla kwezinhliziyi; kona ilowo u ya kubatyazwa uTixo.

Mat. 7. 1. Rome 2. 1, 16, 29.

isa. 3. 13.

6 Loku, bazalwane, ngi ku guqulele kimina na kuApolo ngokulinganisa ngenxa yenu, ukuze ni funde kitina ukuba ni nga zindhli ni dhlule okulotyweyo, ukuba ni nga kukunyezwa, ku be ilowo a tande omunye ku nomunye.

isa. 1. 12. & 3. 4. Rome 12. 3.

isa. 3. 21. & 5. 2.

7 Ngokuba u ketwa ubani na? u nantoni o nga yamkeliswanga na? uma u yamkeliswe, u zibongelani, ngokungati a u nga yamkeliswanga?

John. 3. 27.

Jak. 1. 17. 1 Pet. 4. 10.

8 Se ni suti, se ni ebile, ni busisa okwamakosi ngapandhile kwetu; se nga ti ni nga busa, si ze si buse kanye nani.

Isam. 3. 17.

9 Ngokuba ngi ti uTixo u si misile ti-

ISAHLUKO 5.

na abapostoli abokugeina, ku nga ti si bekelwe ukufa; ngokuba senziwe okokubukwa izwe, nezingelosi, nabantu.

Rome 8. 36. 2 Kor. 4. 11. Heb. 10. 33.

10 Tina si iziula ngenxa kaKristu, kepa nina ni hlakanipile kuKristu; tina si butakataka, kepa nina ni namandhla; nina ni ngabadumileyo, kepa tina si ngabeiswayo.

isa. 2. 3.

Imis. 17. 18. & 26. 24. isa. 1. 18. &c. & 2. 14.

& 3. 18. 2 Ama. 9. 11. 2 Kor. 13. 9.

11 Ku ze ku be manje si lambile, somile, si hambaze, si mukulwa, si imihambima;

2 Kor. 11. 23-27.

Fil. 4. 12. Rome 8. 35. Imis. 23. 2.

12 Si kutele, si sebenza ngezahlza zetu; nxa si tukwa, si ya kulekela okuhle; nxa si hlutywa, si ya bekezela;

Imis. 18. 3. 1 Tim. 4. 10. Mat. 5. 44.

13 Nxa si telwa ngenhlamba, si nxusa; senziwe ku nga ti si insila yezwe, umpucuzo wezinto zonke ku ze ku be manje.

Isililo 3. 45.

14 A ngi lobi loku ukunitela amahloni; ngi ya ni luleka njengabantwana bami abatandekayo.

1 Tes. 2. 11.

15 Ngokuba, noma ni nabafundisi abazinkulungwane ezi ishumi kuKristu, oyihlo ka ba baningi; ngokuba ngaye uKristu Jesu nga ni zala ngevangeli.

isa. 3. 6. Gal. 4. 19. Filemone 10.

16 Ngakoke ngi ya ni ncenga, yibani abangilngisayo.

isa. 11. 1.

Fil. 3. 17. 1 Tes. 1. 6. 2 Tes. 3. 9.

17 Ngaloku ngi tumele kini uTimote, o indodana yami etandekayo, ekolekayo eNkosini, o ya kunikumbuza ukuhamba kwami oku kuKristu, njengokuba ngi fundisa ezindaweni zonke emabandhlени onke.

Imis. 19. 22. isa. 16. 10.

1 Tim. 1. 2. 2 Tim. 1. 2. isa. 11. 2. & 7. 17. & 14. 33.

18 Kepa abanye ba kukumele, ngokungati a ngi yi kuza kini.

isa. 5. 2.

19 Kodwa ngi ya kuza kini masinyane, una ku tanda iNkosi, a ngi yi kwazi ukukuluma kwabakukumeleyo, kepa amandhla abo.

Imis. 19. 21. isa. 16. 5.

2 Kor. 1. 15, 23. Heb. 6. 3. Jak. 4. 15.

20 Ngokuba umbuso ka Tixo a u mi ngezwi, u mi ngamandhla.

isa. 2. 4. 1 Tes. 1. 5.

21 Ni tandani na? ukuba ngi ze kini ngi pete induku, nokuba ngi ze ngi no-tando nomoya omnene na?

2 Kor. 10. 2. & 13. 10.

KU vama ukuzwakala ukuti, ku kona kini ubufebe, ilobubufebe, obu nga bi ko ezizweni, bokuti, umuntu a tabate unika yise.

Ef. 5. 3. Levi 18. 8.

Dut. 22. 30. & 27. 20. 2 Kor. 7. 12.

2 Kepa ni ya kukunyweza, ni nga dabukanga, ukuba a kitywe pakati kwenu o wenza lomsebenzi.

isa. 4. 18.

2 Kor. 7. 7, 10.

3 Ngokuba, noma ngi nge ko ngomzimba, ngi kona ngomoya, se ngi ngumile icala la lomuntu o wenza loku okunjalo, ngokungati ngi kona,

Kol. 2. 5.

4 Ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu, ni butene nomoya wami, ngamandhla eNkosi yetu uJesu Kristu;

Mat. 16. 19. 2 Kor. 2. 10. & 13. 3, 10.

5 Ukuba ni nikele onjalo kuSatani, ku bube okwenyama, ukuze umoya u sindiswe ngosuku lweNkosi yetu uJesu Kristu.

Jobe 2. 6. Izihl. 109. 6.

1 Tim. 1. 20. Imis. 26. 18.

6 A ku lungile ukuzibonga kwenu. A nazi ini ukuti invubelo e incozana i bilisa inhlama yonke?

isa. 3. 21. & 15. 33. Jak. 4. 16. Gal. 5. 9.

7 Ngako kipani invubelo endala, ni be inhlama entya, loku a ni namvubelo. Ngokuba uKristu, ipasika letu, sa m hlatyelwa.

John. 1. 29. isa. 15. 3.

John. 19. 14.

8 Njalo a si geine umhlangano, si nga bi namvubelo endala, namvubelo yokuzonda neyokona, si be nesinkwa esi nge namvubelo sesiminya neqiniso.

Eks. 12. 15. Dut. 16. 3.

9 Nga ni lobela enwadini ukuba ni nga hlangani nezifebe;

2 Kor. 6. 14.

Ef. 5. 11. 2 Tes. 3. 14.

10 Kepa ngi nga tyo, ni nga hlangani nakanye nezifebe za lelizwe, nabafisayo, nabapangayo, naba bongata otixo; ngokuba kona nga ni puma ezweni.

isa. 1. 20. & 10. 27. John. 17. 15.

1 John. 5. 19.

11 Kepa manje ngi ni lobele ukuba ni nga hlangani, uma umuntu o tiwa enzalwane e isifebe, noma e fisa, noma e bongata otixo, noma e tuka, noma e isidakwa, noma e panga; ni nga hlangani nomuntu onje, ni nga dhli naye,

Mat. 18. 17. 2 Tes. 3. 6.

12 Ngokuba ngi nomsebenzi muni wokwahlulela aba ngapandhle? Nina a ni bahluleli aba ngapakati na?

Mark 4. 11. isa. 6. 1-4.

13 Aba ngapandhle uTixo u bahlulela. Ngako kipani kini lomuntu omubi.

Dut. 13. 5. & 17. 7.

ISAHLUKO 6.

**U**KONA ini umuntu kini, e necala komunye, o nesibindi sokumangala kwabangalungile, e nga mangali kwabangewele na?

2 A nazi ini ukuti, abanewele ba ya kwahlula izwe? Kepa uma izwe li ya kwahlulwa inina, a ni fanele ini ukunquma amacala amancinyane na?

Dan. 7. 22. Mat. 19. 28. Isam. 2. 26.

3 A nazi ini ukuti, si ya kwahlula izingelosi? Kakulu okwa lokukupila!

2 Pet. 2. 4. Jude 6.

4 Njalo uma ni namacala a lokukupila, ni ya misa abadelelwayo bebandhla ukuwateta na?

isa. 5. 12.

5 Ngi tyo loku ni ze ni be namahloni. Ku njalo ini? a ku ko namunye kini ohlakanipileyo, o nga nquma amacala pakati kwabazalwane bake na?

6 Kodwa umzalwane u mangalela umzalwane, enza loku na kwabangakolwayo na?

7 Nempela li kona icala kini, ngokuba ni mangalela na. Ini ni nga vumi noniwe na? ini ni nga vumi namukwe na?

Amazwi 20. 22. Mat. 5. 39.

8 Kepa ni yona, ni yamuka, yebo ni yamuka nabazalwane.

1 Tes. 4. 6.

9 A nazi ini ukuti, abangalungile a ba yi kulidhla ifa lombuso kaTixo? Ni nga kohliswa; izihlobongi, nababonga otixo, nezipingi, nezifebe, nabesilisa aba hlobonga nabesilisa, isa. 15. 50. Gal. 5. 21. Ef. 5. 5.

10 Namasela, nabafisayo, nezidakwa, nabanenhlamba, nabapangayo, a ba yi kulidhla ifa lombuso ka Tixo.

11 Ba be njalo abanye ba kini; kodwa se ni hlaziwe nina se ni hlanjululiwe, ni tetelewe ngegama leNkosi uJesu, na ngoMoya ka Tixo wetu.

isa. 12. 2. Ef. 2. 2. isa. 1. 30. Heb. 10. 22.

12 Konke ku ya vumeka kimi, kepa a ku ngi fanele konke; konke ku ya vumeka kimi, kepa a ngi yi kwahlulwa luto.

isa. 10. 23.

13 Ukudhla ku ngokwesisu, nesisu si ngesokudhla; kepa uTixo u ya kuqeda kokubili. Kodwa umzimba a siwo owokuhlobonga, u ngoweNkosi; neNkosi i ngyomzimba.

Mat. 15. 17. Ef. 5. 23.

14 Kepa uTixo wa i vusa iNkosi, u ya kusivusa nati ngamandhla ake.

Rome 6. 5. Ef. 1. 19.

15 A nazi ini ukuti, imizimba yenu i nganalu ngu ka Kristu na? Po! ngi nga tabata amalungu ka Kristu, ngi wenze amalungu esifebe na? A ku nga bi njalo.

Rome 12. 5. Ef. 5. 30.

16 A nazi ini ukuti o bambelele esifebeni, u umzimba munye naso; ngokuba u ti yena, Labababili ba ya kuba inyamanye.

Gen. 2. 24. Mat. 19. 5.

17 Kepa o bambelele eNkosini, u umoya munye nayo.

John. 17. 21-23. Ef. 4. 4.

18 Balekelani ukuhlobonga, zonke izono a zenzayo umuntu, zi ngapandhle komzimba; kepa ohlobongayo wona umzimba wake.

Rome 6. 12, 13. Heb. 13. 4.

Rome 1. 24. 1 Tes. 4. 4.

19 A nazi ini ukuti, umzimba wenu u itempeli lika Moya o ingewele o kinina, eni naye e vela kuTixo, a ni sibo abenu?

isa. 3. 16. 2 Kor. 6. 16. Rome 14. 7, 8.

20 Ngokuba ni tengiwe ngentengo; Ngako bongani uTixo ngomzimba wenu, na ngomoya wenu, oku ngokuka Tixo.

Imis. 20. 28. isa. 7. 23. Gal. 3. 13.

Heb. 9. 12. 1 Pet. 1. 18, 19. 2 Pet. 2. 1.

Isam. 5. 9.

ISAHLUKO 7.

**NGALOKU** ena ngi lobela ngako; Kuhle kumuntu ukuba a nga pati umfazi;

2 Kepa ngenxa yokuhlobonga, a ku be ilowo a be nomkake, nowesifazana a be nendoda yake.

3 Indoda a i nike umfazi okuifaneleyo; njalo nomfazi a i nike indoda.

Eks. 21. 10. 1 Pet. 3. 7.

4 Umfazi ka namandhla ngokomzimba wake, kodwa indoda; njalo nendoda a i namandhla ngokomzimba wayo kodwa umfazi.

5 Ni nga godhlehani, kupela ku be isikati ngokuvumelana; ukuze ni be neta tuba lokuzila ukudhla nokukuleka, ni buye ni hlangani, funa uSatani a ni lingengokungazibambi kwenu.

Joeli 2. 16. Zek. 7. 3. Eks. 19. 15. 1 Tes. 3. 5.

6 Ngi tyo loku ngokuvuyelwa a ngi tyo ngokuyalwa.

2 Kor. 8. 8.

7 Ngokwami se nga ti abantu bonke ba be njengami; kodwa ilowo wabelwa uTixo okwake, omunye ukuti, omunye ukuti.

Imis. 26. 29. isa. 9. 5. Mat. 19. 12.

8 Ngi ti kwaba nga ganile, na kubafelokazi, kuhle kubona ukuba ba hlalise okwami.

9 Kepa uma be nge nakuzibamba, ma

ba gane; ngokuba kuhle ukugana ku nokutya. 1 Tim. 5. 14.

10 Abaganileyo ngi ba yala, kepa a si mina, ku iNkosi, ngi ti, Umfazi ka nge- muki endodeni; Mal. 2. 16. Mat. 5. 32.

11 Kodwa uma e muka, ka hlale e nga gani, nokuba a buyisane nendoda; ne- ndoda i nga m lahli umkayo.

12 Kepa kwabanye ngi tyo mina, a siyo iNkosi, ngi ti, Uma umzalwane e nomfazi ongakolwayo e tanda ukuhlala naye, a nga m lahli.

13 Nomfazi o nendoda engakolwayo, uma i tanda ukuhlala naye, a nga i lahli.

14 Ngokuba indoda engakolwayo ye- nziwa i be ngewele ngomfazi; nomfazi ongakolwayo wenziwa a be ngewele ngendoda; uma ku nge njalo abantwa- na benu ba ngeolile, kepa se be ngewele. Mal. 2. 15.

15 Kepa uma ongakolwayo e muka a kemuke; umzalwane, nokuba o wesili- sa, nokuba o wesifazana, ka botyiwe ngokunjalo; uTixo u si bizile si be no- kutula. Rome 14. 19.

16 Ngokuba wazi kanjani, wena mfazi, ukuba u nge i sindise indoda yako na? Nave, ndoda, wazi kanjani, uku- ba u nge m sindise umkako na? 1 Pet. 3. 1.

17 Kepa a ku be ilowo a hambe nje- ngokuba iNkosi i mabele, njengokuba uTixo e m bizile. Ng i yala njalo ema- bandhleri onke. 2 Kor. 11. 28.

18 Uma ku biziwe osokileyo, ka nga bi ongasokile, uma ku biziwe ongasoki- le, ka nga soki. Imis. 15. 1, 5, 19, 24, 28. Gal. 5. 2.

19 Ukusoka a ku luto, nokungasoki a ku luto, kodwa ukugeina imiyalo ka Tixo. Gal. 5. 6. John. 15. 14. 1 John. 2. 3. & 3. 24

20 A ku be ilowo a hlale ngokubizwa a bizwa ngako.

21 Nxa u biziwe u isigqili, u nga ku naki; kodwa uma u nga kululwa, keta loko.

22 Ngokuba o bizelwe eNkosini e isi- gqili, u ngokululekileyo weNkosi; nja- lo nobiziwe e kululekile, u isigqili sika Kristu. John. 8. 36. Filemone 16. isa. 9. 21. Gal. 5. 13.

23 Ni tengiwe ngentengo, ni nga bi izigqili zabantu. isa. 6. 20. Levi 25. 42.

24 Bazalwane, a ku be ilowo a hlale kuTixo ngaloko a bizwa ngako.

25 Kepa ngezintombi a ngi namyalo

weNkosi, kodwa ngi ya luleka njengo- piwe umusa iNkosi wokukoleka.

2 Kor. 8. 8, 10. 1 Tim. 1. 12, 16. isa. 4. 2.

26 Ngakoke ngi ti, kuhle loku ngenxa yokuhlupeka oku se kona; kuhle ku- muntu a be njalo.

27 Nxa u botyiwe kumfazi, u nga funi ukukululeka; nxa u kululekile kumfa- zi, u nga funi umfazi.

28 Kepa uma u ganwa, a koni; noma intombi i gana, ka yoni. Kodwa aba- njalo ba ya kuba nosizi enyameni; kepa ngi ya ni haukela.

29 Ng i tyo loku kodwa, bazalwane, loku isikati si futyane, se ku fanele, ukuba aba nabafazi ba be njengokuba be nge nabo; Rome 13. 11.

1 Pet. 4. 7. 2 Pet. 3. 8, 9.

30 Abakalayo ba be njengokuba be nga kali; abajabulayo ba be njengokuba be nga jabuli; abatengayo ba be njengo- kuba be nga fuyi;

31 Abapatayo lelizwe ba be njengo- kuba be nga li patisisi; ngokuba ukuma kwa lelizwe ku ya dhlula.

isa. 9. 18. Izihl. 39. 6. Jak. 1. 10. & 4. 14.

1 Pet. 1. 24. 1 John. 2. 17.

32 Kepa ngi tanda ukuba ni nga bi nakukatazeka. Ongaganiwe u katalela okweNkosi, ukuba a nga tokozisa ka- njani iNkosi; 1 Tim. 5. 5.

33 Kepa oganiweyo u katalela okwe- zwe, ukuba a nga tokozisa kanjani umkake.

34 Wahlukene umfazi nentombi. Ongaganile u katalela okweNkosi uku- ba a be ngewele ngomzimba na ngo- moya; kepa oganileyo u katalela okwe- zwe, ukuba a nga i tokozisa kanjani indoda yake. Luk. 10. 40, 42.

35 Ng i tyo loku ku be kuhle kini; a ngi tyo ukuba ngi ni gaxe ngentambo; kepa ukuba ni hambe ngokufaneleyo, ni bambelele eNkosini, ni nga bi nakuka- tazeka.

36 Kepa uma umuntu e ti wenza oku- ngafanele entombini yake, i si kulile, uma nga kwenziwa loku, a kenze a ku tandayo, a koni; ma ba gane.

37 Kodwa omiyo e qinile enhliziywe- ni, e nga eandezelwa ngaluto, e nama- ndhla pezu kwentando yake, e nqumile loku enhliziyweni yake ukuti, u za ku- gcina intombi yake, wenza kahle.

38 Njalo owendisayo wenza kahle, ke- pa ongendisiyo wenza kahle ku nalowo. Heb. 13. 4.

39 Umfazi u botyiwe ngomteto, i se

kona indoda yake; kepa uma indoda yake i si file, u kululekile, a ngenda kwamtanda, kupela eNkosini.

Rome 7. 2. 2 Kor. 6. 14.

40 Kepa u ya kuba nenhlanhla enkulu, ngokubona kwami, uma e hlala nje; futi, ngi ti ngi nomoya ka Tixo.

1 Tes. 4. 8.

### ISIAHLUKO 8.

**N**NGOKUHLATYELWE izitombe si yazi ukuti, si nokwazi sonke, Ukwazi ku ya kukumeza; kepa utando lu yaka. Imis. 15. 29. Rome 14. 3. 10, 14, 22.

2 Uma umuntu e ti u yazi into, ka yazi njengokuba ku fanele a yazi.

isa. 13. 8, 9, 12. Gal. 6. 3. 1 Tim. 6. 4.

3 Kepa uma umuntu e tanda uTixo, lo u yaziwa uye. Eks. 33. 12, 17.

Nah. 1. 7. Gal. 4. 9.

4 Njalo ngokudhla okuhlatelyelwe izitombe, si yazi ukuti, izitombe a zi luto ezweni, nokuti a ku ko omunye uTixo, munye kupela. Isai. 41. 24. isa. 10. 19.

Dut. 4. 29.

5 Ngokuba, noma ku kona okutiwa otixo, nokuba ezulwini, nokuba emhlabeni, loku ku kona otixo baningi namakosi maningi;

John. 10. 34.

6 Kepa kitina munye uTixo uBaba, oku ngaye konke, nati si kuye; inye iNkosi, uJesu Kristu, oku ngayo konke nati si ngayo.

Mal. 2. 10. Ef. 4. 6.

Imis. 17. 28. Rome 11. 36. John. 13. 13.

Imis. 2. 36. Fil. 2. 11. John. 1. 3.

7 Kepa a ba nakwazi bonke; ngokuba abanye be nenhliziyo e sesitombeni namanje ba dhla ngokungati ku hlatyelwe isitombe; inhliziyo yabo i butakataka; yonakele. isa. 10. 28, 29. Rome 14. 14, 23.

8 Ukudhla a ku si lungisi kuTixo; ngokuba, noma si dhla, a si lungile, noma si nga dhli, a si babi. Rome 14. 17.

9 Kepa qapelani, funa lawamandhla enu a be isikubekiso kwaba butakataka.

Gal. 5. 13. Rome 14. 13, 20.

10 Ngokuba, uma umuntu e ku bona wena o nokwazi u cambalala etempelini lezitombe, inhliziyo ya lowo o butakataka a i yi kuqiniseka ukuba a dhle okuhlatelyelwe izitombe na? isa. 10. 28, 32.

11 Kona, ngokwazi kwako, u za kubaba umzalwane o butakataka, a m felayo uKristu.

12 Kepa una nona njalo kubazalwane, ni canule inhliziyo yabo e butakataka, ni yona kuKristu. Mat. 25. 40, 45.

13 Ngaloku, uma ukudhla ku m kube-

kisa umzalwane wami, a ngi sa yi kudhla inyama ku ze ku be nini, funa ngi m kubekise umzalwane wami.

2 Kor. 11. 29.

### ISIAHLUKO 9.

**A**NGI siye umpostoli na? A ngi kululekile na? A ngi m bonanga uJesu Kristu iNkosi yetu na? A ni siwu umsebenzi wami eNkosini na?

Imis. 13. 2. & 26. 17. 2 Kor. 12. 12.

1 Tim. 2. 7. 2 Tim. 1. 11.

Imis. 9. 3, 17. & 18. 9. & 22. 14. isa. 3. 6.

2 Noma ngi nge siye umpostoli kwabanye, ngi uye impela kinina; ngokuba nina ni upau lobupostoli bami eNkosini.

2 Kor. 3. 2.

3 Ukupendula kwami kwabangibuzayo iloku;

4 Si nge dhle ukudhla, si puze na?

1 Tes. 2. 6. 2 Tes. 3. 9.

5 Si nge hambe nonzalwane wesifazana njengabanye abapostoli, nabazalwane beNkosi, noKefasi na?

Mat. 13. 55. Mat. 8. 14.

6 Mina ngedwa noBarnaba si nge yeke ukusebenza na?

7 Ubani o puma impi ngemali yake na? Ubani o tyala isivini, a nga dhli izitelo zaso na? Ubani owalusa umhlambi, a nga dhli ubisi lwawo na?

2 Kor. 10. 4. Dut. 20. 6. Amazwi 27. 18.

isa. 3. 6-8. 1 John. 21. 15.

8 Ngi tyo- loku ngokwabantu na? ka u tyo njalo futi umteto na?

9 Ngokuba ku lotyiwe emteweni kaMosi ukuti, U nga i faki isifonyo inkabi ebulayo. uTixo u katalela izinkabi na?

Dut. 25. 4. 1 Tim. 5. 18.

10 Ka ku tyo ngenxa yetu impela na? Yebo, ku lotyiwe ngenxa yetu; ngokuba olimayo nga e lima ngokwetemba, nobulayo nga e bula e netemba lokwabelwa. 2 Tim. 2. 6.

11 Uma tina si ni hlwayecele okomoya, ku into enkulu ini, uma si vune okwenu kwenyama na? Rome 15. 27.

12 Uma abanye babelwa amandhla pezu kwenu, tina a sabelwa wona kakulu na? Kepa a si wa patanga lawamandhla; si bekezela konke, funa si li tiye ivangeli lika Kristu. Imis. 20. 33.

2 Kor. 11. 7, 9. & 12. 13. 2 Kor. 11. 12.

13 A nazi ini ukuti, abakonzayo nge-misebenzi engewele ba dhla okwetem-peli, nokuti abakonzayo elatini ba hlanyayela nelati. Levi 6. 16, 26. & 7. 6.

Imib. 5. 9, 10, & 18. 8-20. Dut. 10. 9. & 18. 1.

14 Njalo iNkosi i misile ukuba abashumayela ivangeli ba pile ngokwevangeli.  
Mat. 10. 10. Luk. 10. 7.

Gal. 6. 6. 1 Tim. 5. 17.

15 Kepa a ngi patanga luto lwa lezizinto; na loku a ngi ku lobanga ukuba ngenzelwe njalo; ngokuba kuhle kimina ukuba ngi fe ku nokuba umuntu a kwenzize loku engi tokoza ngako.

Imis. 18, 3. 12. 2 Kor. 11. 10.

16 Ngokuba, noma ngi shumayela ivangeli, a ngi nako engi zibonga ngako; loko ngi cindezelwe; yebo, nako kimina uma ngi nga shumayeli ivangeli.

Rome 1. 14.

17 Uma ngenza loku ngenhliziyo, ngi nomvuzo; uma ngenza, ngi nga tandi, ngi miselwe inkonzo. isa. 3. 8, 14. & 4. 1.

Gal. 2. 7. Fil. 1. 17. Kol. 1. 25.

18 U mupi umvuzo wani na? Iloku ukuba ngi shumayele, ngi lenze ivangeli lika Kristu li nga tengwa, ngi nga pati kabi amandhla ami evangelinini.

2 Kor. 11. 7. isa. 7. 31.

19 Ngokuba, noma ngi kululekile kubo bonke, nga zenza isigqili sabo bonke, ukuba ngi zuze abaningi.

Gal. 5. 13.

Mat. 18. 15.

20 KubaJuda nga ba njengomJuda, ukuba ngi zuze abaJuda: kwabapansi komteto nga ba njengopansi komteto, noma mina ngi nge pansu komteto, ukuba ngi zuze abangapansi komteto;

Imis. 16. 3. & 18. 18. & 21. 23.

21 Kwaba nge namteto nga ba njengo nge namteto (ngi nge siye o nge namteto kuTixo, ngi pausi komteto kuKristu,) ukuba ngi zuze aba nge namteto.

Gal. 3. 2. Rome 2. 14. isa. 7. 22.

22 Kwababutakataka nga ba njengobutakataka, ukuba ngi zuze ababutakataka; se ngi izinto zonke kubo bonke, ukuba ngako konke ngi sindise abanye.

2 Kor. 11. 29. isa. 10. 33. Rome 11. 14. & 15. 1.

23 Na loku ngi ya kwenza ngenxa yevangeli, ukuba ngi li hlanguyele kanye nani.

24 A nazi ini ukuti, ba ya gijima bonke abancintisanayo ngokugijima, kepa munye owabelwayo. Gijimani njalo ukuba ni zuze.

Fil. 2. 16. & 3. 14.

Heb. 12. 1.

25 Bonke abancintisanayo ba zitiba ezintweni zonke; labo benza ukuba ba zuze umqele obunayo, kepa tina ukuba si zuze engabuniyo.

Ef. 6. 12.

2 Tim. 2. 5. & 4. 7. 2 Tim. 4. 8. Jak. 1. 12.

1 Pet. 5. 4. Isam. 2. 10. & 3. 11.

26 Njalo a ngi gijimi ngokungati ngi nga qondisisi; a ngi lwi njengotyaya umoya.

27 Kepa ngi u nqoba umzimba wami, ngi wenza isigqili, funa, lapa se ngi shumayele kwabanye, ngi lahle mina uqobo.

Kol. 3. 5. Rome 6. 19.

Jer. 6. 30. 2 Kor. 13. 5. 6.

## ISIAHLUKO 10.

**A**NGI tandi, bazalwane, ukuba ni ngazi ukuti, obaba betu bonke ba be pansu kwefu, bonke ba dabula ulwandle;

Eks 13. 21. & 14. 22

Imib. 9. 18. & 33. 8.

2 Bonke ba bapatzelwa kuMosi efwini na selwandhle;

3 Bonke ba dhla ukudhla kunye komoya;

Eks. 16. 15, 35.

4 Bonke ba puza ukupuza kunye komoya; (ngokuba ba puza etyeni lomoya ela ba landelayo itye lelo la li nguKristu.)

Eks. 17. 6. Dut. 9. 21.

Izihl. 105. 41.

5 Kepa abaningi kubo ba be nga tandeke kuTixo, loku be citwa ehlane.

Imib. 14. 29, 32, 35. & 26. 64, 65.

Izihl. 106. 26. Heb. 3. 17. Jude 5.

6 Lezizinto zenziwa iziboniso zetu, ukuba si nga nxaneli okubi njengabo.

Imib. 11. 4. Izihl. 106. 14.

7 Futi ni nga bi ababongi bezitombe njengabanye kubo, njengokulotyweyo ukuti, Abantu ba hlala ukudhla noku-puza, besuka ukudhlala.

Eks. 32. 6.

8 A si nga bi izifebe njengabanye kubo, ba fe ngosuku lunye aba izinkulungwane ezimashumi mabili nantatu.

isa. 6. 18. Isam. 2. 14. Imib. 25. 1, 9.

Izihl. 106. 29.

9 A si nga m lingi uKristu njengabanye kubo, ba bulawa izinyoka.

Eks. 17. 2, 7. Imib. 21. 5, 6.

10 Ni nga soli njengabanye kubo, ba bujiswa umbulali.

Imib. 14. 2, 29, 37.

& 16. 41, 49. Eks. 12. 23. 2 Sam. 24. 16.

1 Kron. 21. 15.

11 Lezizinto zonke za behlela bona za ba iziboniso; zi lotyelwe ukuba si yalwe ngazo tina, e se si fikelwe ukugeina kwezwe.

Rome 15. 4. isa. 7. 29. & 9. 10.

Fil. 4. 5. 1 John. 2. 18.

12 Ngako o suka e ti, u mi a ka bhekisise, a nga wi.

Rome 11. 20.

13 A nehlelwa ukulingwa, oku njengokwabantu kupela; kepa uTixo u qinisile, o nga yi kuvuma ukuba ni lingwe ngokunga pezu kwamandhla enu,

kodwa u ya kunenzela ituba lokupepa nxa ni lingwayo ni ze ni be namandhla okuma. isa. 1. 9. Izihl. 125. 3. 2 Pet. 2. 9. Jer. 29. 11.

14 Ngako, batandekayo bami, balekelani ukubonga izitombe. 2 Kor. 6. 17. 1 John. 5. 21.

15 Ngi ya kuluma njenga kwabahlanipileyo qondanini engi ku tyoyo. isa. 8. 1.

16 Isitya sokubongwa, esi si bongayo, a siyo inhlanganyelo yegazi lika Kristu na? Isinkwa esi si hlepulayo, a siyo inhlanganyelo yomzimba ka Kristu na? Mat. 26. 26-28. Imis. 2. 42.

17 Ngokuba tina baningi si isinkwa sinye, si umzimba munye; loku tina sonke si hlanguyela lesosinkwa sinye. Rome 12. 5. isa. 12. 27.

18 Bhekani abaIsraeli ngokwenyama; abadhlayo iminikelo a ba hlanguyeli nelati na? Gal. 6. 16. Rome 4. 1. 12. & 9. 3, 5. 2 Kor. 11. 18.

19 Ngi tini na? Isitombe si into na? okuhlatelyelwe izitombe ku into na? isa. 8. 4.

20 Kodwa loku aba ku hlabayi abezizwe, ba ku hlabela amademone, a ba ku hlabei uTixo; kepa a ngi tandi ukuba ni hlanguyele namademone.

Dut. 32. 17. Izihl. 106. 37. Isam. 9. 20.

21 Ni nge si puzi isitya seNkosi kanye nesitya samademone; ni nge hlanguyele itebula leNkosi kanye netebula lamademone. 2 Kor. 6. 15, 16. Dut. 32. 38.

22 iNkosi si i bangela umona na? Si namandhla ku nayo na?

23 Ku vumeke konke, kepa a ku fanelle konke; ku vumeke konke, kepa a kwake konke. isa. 6. 12.

24 A ka nga zifuneli okwake umuntu; kepa a ku be ilowo a m funele omunye. Rome 15. 1, 2. isa. 13. 5. Fil. 2. 4, 21.

25 Konke oku tengwayo esilaheni, ku dhleni, ni nga buzi luto ngenxa yenhli-ziyo;

26 Ngokuba okweNkosi umhlaba nako konke oku kuwo. Izihl. 24. 1. & 50. 12.

27 Uma ni menywa umuntu kwabangakolwayo, ni tanda ukuya, ku dhleni eni ku bekelwayo ni nga buzi luto ngenxa yenhliziyi. Luk. 10. 7.

28 Kepa uma umuntu e ti kini, Loku ku hlatelyelwe izitombe, ni nga dhli ngenxa yake o ni bikelayo, na ngokwenhli-ziyo. isa. 8. 10, 12. Dut. 10. 14.

29 A ngi tyo inhliziyi yako; ngi tyo eyomunye; ngokuba ukukululeka kwa-

mi kwahlulelwani inhliziyi yomuntu na? Rome 14. 16.

30 Uma ngamkela, ngi bongwa, ngi tukulwani ngaloko, engi ku bongayo na? 1 Tim. 4. 3, 4.

31 Ngako noma ni dhla, noma ni puza, noma nenzani, kwenzeni konke, ku bongwe uTixo. Kol. 3. 17. 1 Pet. 4. 11.

32 Ni nga bi nacala lokukubekisa, na kubaJuda, na kumaGreki, na seabandhleni lika Tixo. Rome 14. 13. 2 Kor. 6. 3. Imis. 20. 28. isa. 11. 22. 1 Tim. 3. 5.

33 Njengokuba nami ngi ba tokozisa bonke ngako konke, ngi nga funi okuhle kwami, kodwa okwabaningi, ukuba ba sindiswe. Rome 15. 2.

## ISAHLUKO 11.

**N**GI lingiseni, njengokuba nami ngi m lingisa uKristu. isa. 4. 16.

2 Ngi ya ni bongwa, bazalwane, ngokuba ni ngi kumbula ezintweni zonke, ni geine imiyalo njengokuba nga ni nika yona. isa. 4. 17. & 7. 17. 2 Tes. 2. 15. & 3. 6.

3 Kepa ngi tanda ukuba nazi ukuti, inhloko yendoda i nguKristu; inhloko yomfazi i indoda; inhloko ka Kristu i nguTixo. Ef. 5. 23. Gen. 3. 16. 1 Tim. 2. 11. John. 14. 28. isa. 3. 23. & 15. 27, 28.

Fil. 2. 7-9.

4 Indoda e suka i kuleka, i profeta, ikanda layo li mboziwe, i li tela amahloni ikanda layo.

isa. 12. 10, 28 & 14. 1. 3-6.

5 Kepa owesifazana o suka e kuleka, e profeta, ikanda lake li nga mboziwe, u li tela amahloni ikanda lake; ngokuba loko ku kunye nokuti u puculiwe.

Imis. 21. 9. Dut. 21. 12.

6 Uma owesifazana e nga mbozile, a ka gundwe; kodwa uma ku ngamahloni ukuba owesifazana a gundwe, nokuba a puculwe, a ka mbozwe. Imib. 5. 18.

Dut. 22. 5.

7 Ngokuba indoda nga i nga mbozi ikanda, loku i umfanekiso nobukosi buka Tixo; kepa umfazi u ubukosi bendoda. Gen. 1. 26.

8 Ngokuba indoda i nga velanga kumfazi; umfazi wa vela endodeni;

Gen. 2. 21, 22.

9 Indoda a i datyulelwanga umfazi; kodwa umfazi wa datyulelwa indoda.

Gen. 2. 18.

10 Nga loku umfazi nga e namandhla ekanda, ngenxa yezingelosi. Gen. 24. 65. Ums. 5. 6.

11 Kepa indoda a i ngapandhle komfa-



zi, nomfazi a ka ngapandhle kwendoda enKosini. Gal. 3. 23.

12 Njengokuba umfazi e vela endodeni, njalo indoda i vela ngomfazi; kepa konke kwa vela kuTixo.

Rome 11. 36.

13 Yityoni nina; kuhle ini ukuba owesifazana a kuleke kuTixo e nga mbozile na?

14 A ni fundiswa ini iyo imvelo ukuti, uma indoda i nezinwele ezinde, ku ngamahloni kuyo?

15 Kodwa uma umfazi e nezinwele ezinde, ku ubukosi kuye; ngokuba u pike izinwele, zi be okokugubuzela.

16 Kepa, uma umuntu e pika inkani, a si namkuba o njalo tina, namabandhla kaTixo a ka nawo.

1 Tim. 6. 4. isa. 7. 17. & 14. 33.

17 A ngi ni bongi ngaloku engi ni yala ngako, ukuti, a ni butaneli okuhle, ni butanela okubi.

18 Ngokuba kuqala, nxa ni butanayo ebandhla, ngi zwa ku tiwa, ku kona ukwahlukana pakati kwenu; ngi ya kolwa iko nganxanye.

isa. 1. 10. & 3. 3.

19 Ngokuba nga ku be kona ukwahlukana pakati kwenu, ukuba ba bonakale abaqinisekileyo pakati kwenu.

Mat. 18. 7. Luk. 17. 1. Imis. 20. 30.

1 Tim. 4. 1. 2 Pet. 2. 1, 2. Luk. 2. 35.

1 John. 2. 19. Dut. 13. 3.

20 Njalo nxa ni butanayo ndawonye, a ni butani ukuba ni dhle ukudhla kweNkosi.

21 Ngokuba ekudhleni ilowo u qala, a dhle ukudhla kwake, be nga ka qali abanye; omunye a lambe, omunye a dakwe. 2 Pet. 2. 13. Jude 12.

22 Ini, a ni nazindhlu zokuba ni dhle, ni puze kuzo na? Ni ya delela ini ibandhla lika Tixo, ni ba tele amahloni abange nanto na? Ngi ya kutini kiini na? Ngi nga ni bongana na? A ngi bongi ngaloku. isa. 10. 32. Jak. 2. 6.

23 Ngokuba nga kwamkela eNkosini loko enga ni nika kona, kokuti, iNkosi uJesu, nga lobobusuku eya nikelwa ngabo, ya tabata isinkwa; isa. 15. 3. Gal. 1. 1, 11, 12. Mat. 26. 26. Mark 14. 22. Luk. 22. 19.

24 Ya bongana, ya si hlepula, ya ti, Tabatani, ni dhle; loku ku umzimba wami, owa hlepulelwe nina; yenzani loku, ni ngi kumbule.

25 Njalo wa tabata isitya, se be dhlile, wa ti, Lesisitya si isivumelwano esitya

ngegazi lami; yenzani loku, ni ngi kumbule, nxa ni si puzayo.

26 Ngokuba nxa ni dhla lesisinkwa, ni puza lesisitya, ni bonakalisa ukufa kweNkosi i ze i fike. John. 14. 3. & 21. 22. isa. 4. 5. & 15. 23. 1 Tes. 4. 16. 2 Tes. 1. 10. Jude 14. Isam. 1. 7.

27 Ngakoke lowo o za kudhla lesisinkwa, a puze lesisitya seNkosi, ngokungafanele, u necala lomzimba, negazi leNkosi. Imib. 9. 10, 13.

John. 6. 51, 63, 64. & 13. 27.

28 Kodwa umuntu a ka zihlolisise, njalo a ka dhle lesisinkwa, a puze lesisitya. 2 Kor. 13. 5. Gal. 6. 4.

29 Ngokuba odhlayo, a puze ngokungafanele, u zidhlela a zipuzele icala lokulahlwa, e nga u qondi umzimba weNkosi. Rome 13. 2.

30 Ngaloko abaningi pakati kwenu be butakataka, be gula, nabaningi ba lele.

31 Ngokuba uma si ziqondisisa tina, nga si nga jezisw. Izihl. 32. 5. 1 John. 1. 9.

32 Kepa nxa si jeziswa si tyaywa iNkosi, ukuze si nga lahlwa kanye nezwe. Izihl. 94. 12, 13. Heb. 12. 5-11.

33 Njalo, bazalwane bami, nxa ni butana ukuba ni dhle ukudhla, lindanani.

34 Uma ku kona o lambile, a ka dhle ekaya; ukuze ni nga butani, ni be necala lokulahlwa. Kepa okunye ngo ku lungisa nxa ngi fikayo. Titusi 1. 5.

isa. 4. 19. & 7. 17.

## ISAHLUKO 12.

**A** NGI tandi, bazalwane, ukuba ni'nga bi nakwazi ngezimpiwo zomoya.

isa. 14. 1, 37.

2 Ni yazi ukuti, na ni nga bezizwe, ni holekele kuzo izitombe, ezi izitulu, nje ngokuholwa kwenu. isa. 6. 11.

Ef. 2. 11, 12. 1 Tes. 1. 9. 1 Pet. 4. 3.

Izihl. 115. 5.

3 Ngako ngi ya ni kumbuzi ukuti, akuko muntu, o kuluma ngoMoya, o ti, uJesu u ya tukeka; futi akuko muntu o nga tyo ukuti, uJesu u iNkosi kupela ngaye uMoya o ingewele. Mark 9. 39. 1 John. 4. 2, 3. Mat. 16. 17. John. 15. 26.

4 Ku kona izimpiwo ngezimpiwo, kepa uMoya munye. Rome 12. 4-8. Heb. 2. 4. 1 Pet. 4. 10. Ef. 4. 4, 7.

5 Ku kona izinkonzo ngezinkonzo, kepa inye iNkosi.

6 Ku kona imisebenzi ngemisebenzi, kepa u nguTixo munye o sebenza konke kubo bouke. Ef. 1. 23

7 Kepa ilowo na lowo u piwa isibonakalisiza sika Moya, ukuze ku be okokusiza. isa. 14. 26. 1 Pet. 4. 10, 11.

8 Ngokuba omunye u piwa ngoMoya izwi lokuhlakanipa; omunye izwi lokwazi ngaye uMoya lowo;

isa. 1. 5. & 2. 6, 7. & 13. 2. 2 Kor. 8. 7.

9 Omunye ukukulwa ngaye uMoya lowo; omunye iziphiwo zokwelapa ngaye uMoya lowo;

Mat. 17. 19, 20. isa. 13. 2. 2 Kor. 4. 13.

10 Omunye imisebenzi yamandhla; omunye ukuprofeta; omunye ukuqondisisa omoya; omunye izilimi ngezilimi; omunye ukuzikumusha izilimi.

Mark 16. 17. Gal. 3. 5. Rome 12. 6.

isa. 13. 2. 1 John 4. 1. Imis. 2. 4. & 10. 46.

11 Kepa konke loku ku setyenzwa uyena lowoMoya munye, e belata abanye ngabanye njengokutanda kwake.

Rome 12. 6. isa. 7. 7. 2 Kor. 10. 13.

Ef. 4. 7. John. 3. 8. Heb. 2. 4.

12 Ngokuba anengomzimba u munye, u namalungu maningi, amalungu onke omzimba nokuba e maningi a ngumzimba munye; u njalo naye uKristu.

Rome 12. 4, 5. Ef. 4. 4, 16. Gal. 3. 16.

13 Ngokuba ngoMoya munye tina sonke si bapatizwe si be umzimba munye, noma si ngamaJuda, noma si ngamaGrekhi, noma si izigqili, noma si ngabakululekileyo, tina sonke si puzile kuye uMoya munye.

Rome 6. 5. Gal. 3. 28.

Ef. 2. 13, 14, 16. Kol. 3. 11.

John. 6. 63. & 7. 37, 38, 39.

14 Umzimba a silo ilungu linye, kodwa maningi.

15 Uma unyawo lu ti, Loku ngi nge siso isandhla, a ngi siko okomzimba; ngaloko a siko okomzimba na?

16 Noma indhlebe i ti, Loku ngi nge silo iso, a ngi siko okomzimba; ngaloko a siko okomzimba na?

17 Uma umzimba wonke u iso, ko zwiwa ngani na? Uma wonke u indhlebe ko nukwa ngani na?

18 Kepa uTixo wa misa amalungu, ileli, na leli emzimbeni, njengokutanda kwake.

Rome 12. 3. isa. 3. 5, 11.

19 Uma onke a iluugu linye, upi umzimba na?

20 Kepa amalungu maningi, umzimba munye.

21 Iso li nge tyo esandhleni ukuti, A ngi ku dingi: nekanda li nge tyo ezi nyaveni ukuti, A ngi ni dingi.

22 Ca, kakulu lamalungu omzimba, a nga ti a butakataka, a dingeka.

23 Na lamalungu omzimba, esi ti a delekile, iwona si wa nakekela kakulu; amalungu etu a delelekile a nobuhle obukulu;

24 Ngokuba amalungu etu amahle a wa dingi luto; kepa uTixo u hlele umzimba u hlangane wodwa, wenza ku nakekelwe kakulu lezozindawo ezidingayo;

25 Ukuba ku nga bi ko ukwahlukana emzimbeni, kepa amalungu a geinane.

26 Uma ku hlupeka ilungu linye, a hlupeka amalungu onke kanye nalo; uma ku tuswa ilungu linye, a tuswa amalungu onke kanye nalo.

27 Kepa nina ni ngumzimba ka Kristu, ni ngamalungu ngabanye.

Rome 12. 5. Ef. 1. 23. & 4. 12. & 5. 30.

Kol. 1. 24.

28 uTixo u misile laba ebandhleni; kuqala abapostoli; okwesibili abaprofeti; okwesitatu abafundisi; emva kwaloko izimangaliso; kona iziphiwo zokwelapa, nokusiza, nokubusa, nezilimi ngezilimi.

Ef. 2. 20. & 3. 5. & 4. 11.

Imis. 13. 1. Rome 12. 6, 8. Imib. 11. 17.

1 Tim. 5. 17. Heb. 13. 17, 24.

29 Bonke ba ngabapostoli na? Bonke ba ngabaprofeti na? Bonke abafundisi na? Bonke ba ngabenza izimangaliso na?

30 Bonke ba nezipiwo zokwelapa na? Bonke ba kuluma ngezilimi na? Bonke ba ya kumusha na?

31 Nxanelelani iziphiwo ezikulu; kepa ngi ni bonisa indhlela enhle kakulu.

isa. 14. 1, 39.

### ISAHLUKO 13.

**N**OMA ngi kuluma ngezilimi zabantu nezazingelosi, ngi nge nalo utando, ngi itusi elikencezayo, nensimbi ence-ncetayo.

2 Noma ngi nokuprofeta, ngi qonda imfihlakalo yonke nokwazi konke; noma ngi nokukulwa konke, kokuba ngi suse izintaba, ngi nge nalo utando, a ngi into yaluto.

isa. 12. 8-10, 28.

Mat. 7. 22. & 17. 20.

3 Noma ngi nika konke engi nako, ngi babele abampofu ukudhla; noma ngi nikela umzimba wami u tyiswe, ngi nge nalo utando, ku nge ngi size.

Mat. 6. 1, 2.

4 Utando lu ya bekezela, lu mnene; utando a lu namona; utando a lu zidumisi, a lu zikukumezi;

Amazwi 10. 12.

5 A lwenzi okungafancle a lu zifuneli

okwalo, a lu nalulaka, a lu ziindhlekelel okubi; isa. 10. 24.

6 A lu tokozi ngokungalungile, kepa lu tokoza ngesiminye; Rome 1. 32.  
2 John. 4.

7 Lu zitulela izinto zonke, lu kolwa izinto zonke lwetemba izinto zonke, lu bekezela izinto zonke. Rome 15. 1.

8 Utando lu nge ze lwa nqamuka; kepa noma ku kona ukuprofeta, ku za kupela; noma ku kona izilimi, zi ya kunqamuka, noma ku kona ukwazi ku ya kunyamalala.

9 Ngokuba si yazi nganxanye, si profeta nganxanye. isa. 8. 2.

10 Kepa nxa se ku fikile okupeleleyo, kona ku za kupela okungapelele.

11 Lapo ngi se umntwana, nga kuluma okomntwana, ngazisa okomntwana, nga ziudhlisa okomntwana; kepa lapa se ngi indoda, nga yeka okobumntwana.

12 Ngokuba manje si bona esibukweni kalufifi; kepa lapo ubuso bo bukana nobuso; manje ngazi nganxanye; kepa lapo ngi ya kwazi njengokuba ngaziwa. 2 Kor. 3. 18. & 5. 7. Fil. 3. 12. 1 John. 3. 2.

13 Njalo ku kona ukukulwa, ukwetemba, utando, loku kokutatatu; kepa okuku lu utando.

#### ISAHLUKO 14.

**L**ANDANI utando, ni nxanele izipiwo zika Moya; kakulu ukuba ni profete. isa. 12. 31. Imib. 11. 25, 29.

2 Ngokuba o kuluma ngolimi olungaziwayo ka kulumi kubantu, u kuluma kuTixo, ngokuba ku nge ko o muzwayo noko emoyeni u ya kuluma imifihlakalo. Imis. 2. 4. & 22. 9.

3 Kepa oprofetayo u kuluma kubantu ukwaka, nokululeka, nokwenamisa.

4 O kuluma ngolimi olungaziwayo u ya zakela yena; kepa oprofetayo wake-la ibandhla.

5 Ngi tanda ukuba ni kulume ngezilimi nonke, kepa kakulu ukuba ni profete; ngokuba omkulu oprofetayo ku naye o kuluma ngezilimi, uma e nga kumushi, ukuze ibandhla lakelwe.

6 Kepa, bazalwane, uma ngi za kini, ngi kuluma ngezilimi, ngi ya kunisiza ngani, uma ngi nga kulumi kinina ngokwambula, na ngokwazi, na ngokuprofeta, na ngokufundisa?

7 Neziuto ezi nge zwayo ezikalayo noma ku ugubu, noma ku umtyingo, uma zi ngahlukani ngokukala, ku ngaziwa

kanjani okubetwayo ngogubu na ngomtyingo na?

8 Uma itilongo li kala ngezwi elingaqondiyi ubani o ya kuhlomela ukulwa na?

9 Njalo nani uma ni nga kulumi ngolimi, izwi eliqondileyo, ku ngaziwa kanjani okukulunywayo na? loku ni ya kukuluma emoyeni nje.

10 Ku kona, ku nga ti, izilimi ezingaka emhlabeni, kepa a lu ko kuzo olu nge nakuzwiwa.

11 Ngakoke uma ngi nga kwazi okukulunywayo, ngi ya kuba owezizwe kokulumayo; nokulumayo u ya kuba owezizwe kimi.

12 Njalo nani, loku ni nxanela izipiwo zika Moya, lingani ukuba ni vame, ukuze kwakelwe ibandhla.

13 Ngakoke okulumayo ngolimi olungaziwayo, a ka kuleke ukuze a kumushe.

14 Ngokuba uma ngi kuleka ngolimi olungaziwayo, ku kuleka umoya wami, kepa ukwazi kwami a ku nakutela.

15 Se ku tini na? Ngi ya kukuleka ngomoya, ngi kuleke na ngokwazi; ngi ya kuhlabelela ngomoya, ngi hlabelele na ngokwazi futi. Ef. 5. 19. Kol. 3. 16.

Izihl. 47. 7.

16 Uma ku nge njalo, nxa u bonga ngomoya, ongafundileyo a nga tyo kanjani ukuti, Amen! ekubongeni kwako? Loku e ngazi oku tyoyo. isa. 11. 24.

17 U bonga kahle wena, kepa lowo a kakelwa.

18 Ngi ya m bonga uTixo, ngi kuluma ngezilimi ku nani nonke.

19 Kepa ebandhleni ngi tanda ukuba ngi kulume amazwi amahlanu ngokwazi kwami, ukuze ngi fundise abanye, ku namazwi a zinkulungwane ezi ishumi ngolimi olungaziwayo.

20 Bazalwane, ni nga bi izingane ngokwazi; kepa ngokubi a ni be izingane; ngokwazi a ni be amadoda. Mat. 11. 25. & 18. 3. Rome 16. 19. isa. 3. 1. Ef. 4. 14.

Heb. 5. 12, 13. 1 Pet. 2. 2. isa. 2. 6.

21 Ku lotyiwe emetweni ukuti, Ngabantu bezinye izilimi nezinye izindebe ngi ya kukuluma ku lesisizwe; kepa, noma ku njalo, a ba yi ku ngi zwa; i tyo iNkosi. John. 10. 34. Isai. 28. 11, 12.

22 Njalo izilimi zi isibonakaliso kwabangakolwayo, a siso kwabakolwayo; kepa ukuprofeta ku ya ngokwabakolwayo, ku nga yi ngokwabangakolwayo.

23 Ngakoke uma ibandhla lonke li bu-

tene ndawonye, bonke be kuluma ngezilimi, ku ngene abangafundile naba-ngakolwayo, a ba yi kuti, ni ya hlanya na? Imis. 2. 13.

24 Kodwa uma bonke ba profeta, ku ngene ongakolwayo noma ongafundileyo, u ya qiniswa ibo bonke, u ya lahlwa ibo bonke.

25 Imfihlakalo yenhliziyo yake i ya bonakaliswa; njalo e wa ngobuso, u ya kumdumisa uTixo, a vume, a ti, impela uTixo u kona pakati kweuu. Isai. 45. 14. Zek. 8. 23.

26 Ku njani bazalwane? uma ni butanayo nonke, ilowo u nesihlabelelo, u nesifundiso, u nolimi, u nokwambula, u nesikumsho. Konke a kwenzelwe ukwaka. isa. 12. 7-10. 2 Kor. 12. 19. Ef. 4. 12.

27 Uma e kuluma umuntu ngolimi, a ku be ababili, nokuba batatu, kupela be landelana; a ku kunyushwe.

28 Kepa uma ku nge ko okumshayo, a ka tule ebandhleni; a zikulumele yena noTixo.

29 Abaprofeti a ba kulume ababili, nokuba abatatu, abanye ba qonde. isa. 12. 10.

30 Uma kwambulwa uto komunye obleziyo, ka tule owokugala.

1 Tes. 5. 19, 20.

31 Ngokuba ni nga profeta nonke ngabanye, ukuze ba funde bonke, ba lulekwe bonke.

32 Imimoya yabaprofeti i ya tobela abaprofeti. 1 John. 4. 1.

33 Ngokuba uTixo a siye owesipitipiti, kepa owokutula, njenga kuwo onke amabandhla abangewe. isa. 11. 16.

34 Abesifazana benu a ba tule emabandhleni; a ku vunyelwa ukuba ba kulume; kepa nga be tobeka, njengokutyo komteto. Ef. 5. 22. Kol. 3. 18. 1 Tim. 2. 11, 12.

Gen. 3. 16.

35 Uma be tanda ukuzwa uto, a ba buze emadodeni abo emakaya; ngokuba ku amahloni kwabesifazana ukukuluma ebandhleni.

36 Izwi lika Tixo la vela kini na? la fika kini na nodwa na?

37 Uma umuntu e ti u ngumprofeti, nokuba u ngoka Moya, a ka vume ukuti, loku engi ni lolele kona, ka imiteto yeNkosi. 2 Kor. 10. 7. 1 John. 4. 6.

38 Uma umuntu e ngazi, a ka ngazi.

39 Ngakoke, bazalwane, nxanelani ukuprofeta, ni nga ngabeli ukukuluma ngezilimi. isa. 12. 31. 1 Tes. 5. 20.

40 A kweziwe kahle konke, ku hlhelwe.

## ISAHLUKO 15.

**K**EPA, bazalwane, ngi ya ni kumbuza ivangeli enga ni shumayeza lona, nena lamkelayo, neni mi kulo;

Rome 5. 2.

2 Neni ya kusindiswa ngalo, uma ni bambelela ezwini enga ni shumayeza ngalo, uma ni nga kolwa ize. Rome 1. 16. isa. 1. 21. Gal. 3. 4.

3 Ngokuba nga ni nika ekuqaleni loko enga kwamkela nami ukuti, uKristu wa fa ngenxa yezono zetu, njengokwemibalo; isa. 11. 23. Isai. 53. 5. Luk. 24. 26.

Imis. 3. 18.

4 Nokuti wa mbelwa, wa buya wa vuka ngosuku lwesitatu njengokwemibalo; Izihl. 2. 7. & 16. 10. Isai. 53. 10.

Hos. 6. 2. Luk. 24. 46.

Imis. 2. 25-31. & 13. 33-35. 1 Pet. 1. 11.

5 Nokuti wa bonwa uKefasi, ngase-mva wa bonwa aba ishumi nambili; Mat. 28. 17. Mark 16. 14. Luk. 24. 34, 36.

John. 20. 19, 26. Imis. 10. 41.

6 Emva kwaloko wa bonwa kanye-kanye ngabazalwane aba dhlula amakulu amahlanu, iningi labo li se kona na kaloko, kepa abanye se be lele.

7 Emva kwa loko wa bonwa uJakobe; kona wa bonwa abapostoli bonke;

Luk. 24. 50. Imis. 1. 3, 4.

8 Kepa emva kwabo bonke wa bonwa imi, engi njengozelwe ku nga ka bi isikati. Imis. 9. 3, 17. isa. 9. 1.

9 Ngokuba ngi ngomncinyane ku nabo abapostoli, engi nga fanele ukutiwa umpostoli, ngokuba nga hlupa ibandhla lika Tixo. Ef. 3. 8. Imis. 8. 3. Gal. 1. 13.

10 Kepa ngomusa ka Tixo ngi iko engi iko; umusa wake o kimi a u banga ize; kodwa nga sebenza kakulu ku nabo bonke; kepa a si mina; ku umusa ka Tixo o kimi. Ef. 3. 7, 8.

2 Kor. 11. 23. & 12. 11. Mat. 10. 20.

2 Kor. 3. 5. Ef. 3. 7. Fil. 2. 13.

11 Ngakoke noma imi, noma ibo, si ya shumayela, ni kolwe.

12 Kepa uma uKristu e shunyayelwa ukuti, wa vuka kwabafileyo, ba tyo kanjani abanye ba kini ukuti, a ku ko ukuvuka kwabafileyo na?

13 Kepa uma ku ngeko ukuvuka kwabafileyo, a ka vukanga naye uKristu.

1 Tes. 4. 14.

14 Uma uKristu e nga vukanga, ukushumayela kwetu ku ize, nokukulwa kwenu ku ize.

15 Yebo, si ya funyaniswa si ngofakazi bamanga baka Tixo; ngokuba si

qinisile ngoTixo ngokuti, wa m vusa uKristu; e nga m vusanga; uma abafileyo be nga vuki. Imis. 2. 24, 32.

16 Ngokuba uma abafileyo be nga vuki, a ka vukanga naye uKristu.

17 Uma uKristu e nga vukanga, ukukolwa kwenu ku ize ni se sezonweni zenu. Rome 4. 25.

18 Njalo aba lele kuKristu ka be se ko.

19 Uma si netemba kuKristu ku lokukupila kodwa, si ya hlupeka ku nabantu bonke, 2 Tim. 3. 12.

20 Kepa uKristu wa vuka kwabafileyo, wa ba ulibo lwabaleleyo. 1 Pet. 1. 3. Imis. 26. 23.

21 Loku ukufa kweza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo kweza na ngomuntu. Rome 5. 12. John. 11. 25.

22 Ngokuba njengaloku bonke ba ya fa ngoAdamu, njalo bonke ba ya kupiliswa ngoKristu.

23 Kepa ilowo ngokuhlelwa kwake; uKristu ulibo; ngasemva abaka Kristu ekufikeni kwake. 1 Tes. 4. 16.

24 Kwandu kuba ukupela, lapo se e nikle umbuso kuTixo, uYise; lapo se e citile ukubusa konke, nobukosi bonke namandhla onke. Dan. 7. 14, 27.

25 Ngokuba ku fanele a buse a ze a beke izita zonke pansi kwezinyawo zake. Izihl. 110. 1. Ef. 1. 22. Heb. 1. 13.

26 Isita sokugcina esi ya kucitwa si ukufa. 2 Tim. 1. 10. Isam. 20. 14.

27 Ngokuba u hlelile izinto zonke pansi kwezinyawo zake. Kepa nxa e ti, Izinto zonke zi hleliwe, ku sobala ukuti, a ka hlelwa yena, owa hlela izinto zonke pansi kwake. Izihl. 8. 6. Mat. 23. 18.

28 Kepa lapo izinto zonke se zi hleliwe pansi kwake, kona neNdodana i ya kuhlelwa pansi kowa hlela izinto zonke pansi kwake, ukuze uTixo a be iko konke kuko konke. Fil. 3. 21. isa. 11. 3.

29 Uma ku nge njalo, ba ya kwenze njani ababapatizelwa abafileyo? Uma abafileyo be nga vuki nokuvuka, ba bapatizelwa abafileyo ngani na?

30 Si meleni si sengozini izikati zonke na? 2 Kor. 11. 26.

31 Ngi ya qinisa ngokutokoza kwami ngani, engi nako ngaye uKristu Jesu, iNkosi yetu, ngi ya fa imihla ngemihla. 1 Tes. 2. 19. Rome 8. 36.

32 Uma nga lwa nezilo eFesu ngokwabantu, ku ngi siza ngani, uma abafileyo

be nga vuki? A si dhle, si puze; ngokuba ngomuso si ya kufa. 2 Kor. 1. 8.

Ums. 2. 24. Isai. 22. 13.

33 Ni nga kohliswa; ukuhlaugana nokubi ku yona infikuba emihle. isa. 5. 6.

34 Vukani, ni lunge, ni ngoni; ngokuba abanye be nge nakumazi uTixo. Ngi tyo loku ni ze ni be namahloni.

Rome 13. 11. Ef. 5. 14. 1 Tes. 4. 5. isa. 6. 5.

35 Kepa omunye u ya kuti, Abafileyo ba vuka kanjani na? beza be nomzimba onjani na? Hez. 37. 3.

36 Wena siula, loko o ku tyalayo a ku hlumi, uma ku nga fi; John. 12. 24.

37 Naloku o ku tyalayo, a u tyali lomzimba o za kuba kona, kodwa inhlamvu yodwa; mhlaumbe eyamabele; mhlaumbe eyokunye.

38 Kepa uTixo u i nika umzimba nje-nga ku tandayo, e nika ileyo umzimba wayo.

39 Inyama yonke a sinyamanye; kepa i kona enye inyama yabantu, enye inyama yezilwane, enye yezihlanzi, enye yezinyoni.

40 Njalo i kona imizimba ya sezulwini, nemizimba ya semhlabeni; kepa ubukosi beyasezulwini bu bodwa, nobukosi beyasemhlabeni bu bodwa.

41 Bu bodwa ubukosi belanga, bu bodwa ubukosi benyanga, bu bodwa ubukosi bezinkanyezi; ngokuba enye inkanyezi i dhlula enye ngobukosi.

42 Ku njalo nokuvuka kwabafileyo. Ku tyalwa ku nokubola, ku vuka ku nge nakubola; Dan. 12. 3. Mat. 13. 43.

43 Ku tyalwa ku nokudelwa ku vuka ku nobukosi; ku tyalwa ku nobutakata, ku vuka ku namandhla. Fil. 3. 21.

44 Ku tyalwa ku umzimba wenyama, ku vuka ku umzimba womoya. U kona umzimba wenyama; u kona nomzimba womoya.

45 Njalo ku lotyiwe ukuti, Umuntu wokuqala, uAdamu, wenziwa umpefumlo opilayo; uAdamu wokugcina umoya opilisayo. Gen. 2. 7., Rome 5. 14.

John. 5. 21. & 6. 33, 39, 40, 54, 57.

46 Kepa okokuqala a siko okomoya, ku ngokweyama; ngasemva, okomoya.

47 Umuntu wokuqala wa vela emhlabeni, u ngokomhlaba; umuntu wesibili u iNkosi eya vela ezulwini. John. 3. 31.

Gen. 2. 7. & 3. 19. John. 3. 13, 31.

48 Abokomhlaba ba njengaye owa e

tene ndawonye, bonke be kuluma ngezilimi, ku ngene abangafundile naba-ngakolwayo, a ba yi kuti, ni ya hlanya na? Imis. 2. 13.

24 Kodwa uma bonke ba profeta, ku ngene ongakolwayo noma ongafundileyo, u ya qiniswa ibo bonke, u ya lahlwa ibo bonke.

25 Imfihlakalo yenhliziyoyake i ya bonakaliswa; njalo e wa ngobuso, u ya kumdumisa uTixo, a vume, a ti, impela uTixo u kona pakati kwenu. Isai. 45. 14. Zek. 8. 23.

26 Ku njani bazalwane? uma ni butanayo nonke, ilowo u nesihlabelelo, u nesifundiso, u nolimi, u nokwambula, u nesikumsho. Konke a kwenzelwe ukwaka. isa. 12. 7-10. 2 Kor. 12. 19. Ef. 4. 12.

27 Uma e kuluma umuntu ngolimi, a ku be ababili, nokuba batatu, kupela be landelana; a ku kunyushwe.

28 Kepa uma ku nge ko okumshayo, a ka tule ebandhleni; a zikulumele ye-na noTixo.

29 Abaprofeti a ba kulume ababili, nokuba abata, abanye ba qonde. isa. 12. 10.

30 Uma kwambulwa uto komunye ohleziyo, ka tule owokuqala.

1 Tes. 5. 19, 20.

31 Ngokuba ni nga profeta nonke ngabanye, ukuze ba funde bonke, ba lulekwe bonke.

32 Imimoya yabaprofeti i ya tobela abaprofeti. 1 John. 4. 1.

33 Ngokuba uTixo a siye owesipitipiti, kepa owokutula, njenga kuwo onke amabandhla abangewe. isa. 11. 16.

34 Abesifazana benu a ba tule emabandhleni; a ku vuyelwa ukuba ba kulume; kepa nga be tobeka, njengokutyo komteto. Ef. 5. 22. Kol. 3. 18. 1 Tim. 2. 11, 12.

Gen. 3. 16.

35 Uma be tanda ukuzwa uto, a ba buze emadodeni abo emakaya; ngokuba ku amahloni kwabesifazana ukukuluma ebandhleni.

36 Izwi lika Tixo la vela kini na? la fika kinina nodwa na?

37 Uma umuntu e ti u ngumprofeti, nokuba u ngoka Moya, a ka vume ukuti, loku engi ni lolele kona, ku imiteto yeNkosi. 2 Kor. 10. 7. 1 John. 4. 6.

38 Uma umuntu e ngazi, a ka ngazi.

39 Ngakoke, bazalwane, nxanelani ukuprofeta, ni nga ngabeli ukukuluma ngezilimi. isa. 12. 31. 1 Tes. 5. 20.

40 A kwenziwe kahle konke, ku hlhelwe.

ISAHLUKO 15.

**K**EPA, bazalwane, ngi ya ni kumbuza ivangeli engana ni shumayeza lona, nena lamkelayo, neni mi kulo;

Rome 5. 2.

2 Neni ya kusindiswa ngalo, uma ni bambelela ezwini engana ni shumayeza ngalo, uma ni nga kolwa ize. Rome 1. 16.

isa. 1. 21. Gal. 3. 4.

3 Ngokuba nga ni nika ekuqaleni loko engana kwamkela nami ukuti, uKristu wa fa ngenxa yezono zetu, njengokwemibalo; isa. 11. 23. Isai. 53. 5. Luk. 24. 26.

Imis. 3. 18.

4 Nokuti wa mbelwa, wa buya wa vuka ngosuku lwesitatu njengokwemibalo; Izihl. 2. 7. & 16. 10. Isai. 53. 10.

Hos. 6. 2. Luk. 24. 46.

Imis. 2. 25-31. & 13. 33-35. 1 Pet. 1. 11.

5 Nokuti wa bonwa uKefasi, ngase-mva wa bonwa aba ishumi nambili; Mat. 28. 17. Mark 16. 14. Luk. 24. 34, 36.

John. 20. 19, 26. Imis. 10. 41.

6 Emva kwaloko wa bonwa kanye-kanye ngabazalwane aba dhlula amakulu amahlanu, iningi labo li se kona na kaloko, kepa abanye se be lele.

7 Emva kwa loko wa bonwa uJakobe; kona wa bonwa abapostoli bonke;

Luk. 24. 50. Imis. 1. 3, 4.

8 Kepa emva kwabo bonke wa bonwa imi, engi njengozelwe ku nga ka bi isikati. Imis. 9. 3, 17. isa. 9. 1.

9 Ngokuba ngi ngomcinjane ku nabo abapostoli, engi nga fanele ukutiwa umpostoli, ngokuba ngi hlupa ibandhla lika Tixo. Ef. 3. 8. Imis. 8. 3. Gal. 1. 13.

10 Kepa ngomusa ka Tixo ngi iko engi iko; umusa wake o kimi a u banga ize; kodwa nga sebenza kakulu ku nabo bonke; kepa a si mina; ku umusa ka Tixo o kimi. Ef. 3. 7, 8.

2 Kor. 11. 23. & 12. 11. Mat. 10. 20.

2 Kor. 3. 5. Ef. 3. 7. Fil. 2. 13.

11 Ngakoke noma imi, noma ibo, si ya shumayela, ni kolwe.

12 Kepa uma uKristu e shunyayelwa ukuti, wa vuka kwabafileyo, ba tyo kanjani abanye ba kini ukuti, a ku ko ukuvuka kwabafileyo na?

13 Kepa uma ku ngeko ukuvuka kwabafileyo, a ka vukanga naye uKristu.

1 Tes. 4. 14.

14 Uma uKristu e nga vukanga, ukushumayela kwetu ku ize, nokukulwa kwenu ku ize.

15 Yebo, si ya funyaniswa si ngofhaka-zi bamanga baka Tixo; ngokuba si

qinisile ngoTixo ngokuti, wa m vusa uKristu; e nga m vusanga; uma abafileyo be nga vuki. Imis. 2. 24, 32.

16 Ngokuba uma abafileyo be nga vuki, a ka vukanga naye uKristu.

17 Uma uKristu e nga vukanga, ukukolwa kwenu ku ize ni se sezonweni zenu. Rome 4. 25.

18 Njalo aba lele kuKristu ka be se ko.

19 Uma si netemba kuKristu ku lokukupila kodwa, si ya hlupeka ku nabantu bonke, 2 Tim. 3. 12.

20 Kepa uKristu wa vuka kwabafileyo, wa ba ulibo lwabaleleyo. 1 Pet. 1. 3. Imis. 26. 23.

21 Loku ukufa kweza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo kweza na ngomuntu. Rome 5. 12. John. 11. 25.

22 Ngokuba njengaloku bonke ba ya fa ngoAdamu, njalo bonke ba ya kupiliswa ngoKristu.

23 Kepa ilowo ngokuhlelwa kwake; uKristu ulibo; ngasemva abaka Kristu ekufikeni kwake. 1 Tes. 4. 16.

24 Kwandu kuba ukupela, lapo se e nikle umbuso kuTixo, uYise; lapo se e citile ukubusa konke, nobukosi bonke namandhla onke. Dan. 7. 14, 27.

25 Ngokuba ku fanele a buse a ze a beke izita zonke pansi kwezinyawo zake.

Izihl. 110. 1. Ef. 1. 22. Heb. 1. 13.

26 Isita sokugcina esi ya kucitwa si ukufa. 2 Tim. 1. 10. Isam. 20. 14.

27 Ngokuba u hlalile izinto zonke pansi kwezinyawo zake. Kepa nxa e ti, Izinto zonke zi hlaliwe, ku sobala ukuti, a ka hlalwa yena, owa hlala izinto zonke pansu kwake. Izihl. 8. 6. Mat. 23. 18.

28 Kepa lapo izinto zonke se zi hlaliwe pansu kwake, kona neNdodana i ya kuhlelwa pansu kowa hlala izinto zonke pansu kwake, ukuze uTixo a be iko konke kuko konke.

Fil. 3. 21. isa. 11. 3.

29 Uma ku nge njalo, ba ya kwenze njani ababapatizelwa abafileyo? Uma abafileyo be nga vuki nokuvuka, ba bapatizelwa abafileyo ngani na?

30 Si meleni si sengozini izikati zonke na? 2 Kor. 11. 26.

31 Ngi ya qinisa ngokutokoza kwami ngau, engi nako ngaye uKristu Jesu, iNkosi yetu, ngi ya fa imihla ngemihla. 1 Tes. 2. 19. Rome 8. 36.

32 Uma nga lwa nezilo eFesu ngokwabantu, ku ngi siza ngani, uma abafileyo

be nga vuki? A si dhle, si puze; ngokuba ngomuso si ya kufa. 2 Kor. 1. 8.

Ums. 2. 24. Isai. 22. 13.

33 Ni nga kohliswa; ukuhlangana nokubi ku yona ihtikuba emihle.

isa. 5. 6.

34 Vukani, ni lunge, ni ngonni; ngokuba abanye be nge nakumazi uTixo. Ngi tyo loku ni ze ni be namahloni.

Rome 13. 11. Ef. 5. 14. 1 Tes. 4. 5.

isa. 6. 5.

35 Kepa omunye u ya kuti, Abafileyo ba vuka kanjani na? beza be nomzimba onjani na? Hez. 37. 3.

36 Wena siula, loko o ku tyalayo a ku hlumi, uma ku nga fi; John. 12. 24.

37 Naloku o ku tyalayo, a u tyali lomzimba o ku zaba kona, kodwa inhlamvu yodwa; mhlaumbe eyamabele; mhlaumbe eyokunye.

38 Kepa uTixo u i nika umzimba njenga ku tandayo, e nika ileyo umzimba wayo.

39 Inyama yonke a sinyamanye; kepa i kona enye inyama yabantu, enye inyama yezilwane, enye yezinhlanzi, enye yezinyoni.

40 Njalo i kona imizimba ya sezulwini, nemizimba ya semhlabeni; kepa ubukosi beyasezulwini bu bodwa, nobukosi beyasemhlabeni bu bodwa.

41 Bu bodwa ubukosi belanga, bu bodwa ubukosi benyanga, bu bodwa ubukosi bezinkauyezi; ngokuba enye inkanyezi i dhlula enye ngobukosi.

42 Ku njalo nokuvuka kwabafileyo. Ku tyalwa ku nokubola, ku vuka ku nge nakubola; Dan. 12. 3. Mat. 13. 43.

43 Ku tyalwa ku nokudelwa ku vuka ku nobukosi; ku tyalwa ku nobutakata, ku vuka ku namandhla. Fil. 3. 21.

44 Ku tyalwa ku umzimba wenyama, ku vuka ku umzimba womoya. U kona umzimba wenyama; u kona nomzimba womoya.

45 Njalo ku lotyiwe ukuti, Umuntu wokuqala, uAdamu, wenziwa umpefumlo opilayo; uAdamu wokugcina umoya opilisayo. Gen. 2. 7. Rome 5. 14.

John. 5. 21. & 6. 33, 39, 40, 54, 57.

46 Kepa okokuqala a siko okomoya, ku ngokwenyama; ngasemva, okomoya.

47 Umuntu wokuqala wa vela emhlabeni, u ngokomhlaba; umuntu wesibili u iNkosi eya vela ezulwini. John. 3. 31.

Gen. 2. 7. & 3. 19. John. 3. 13, 31.

48 Abokomhlaba ba njengaye owa e

ngokomhlaba; abokwezulu ba njengaye owokwezulu. Fil. 3. 20, 21.

49 Njengaloku si fuze o ngokomhlaba, si ya kufuza nangokwezulu.

Gen. 5. 3. Rôme 8. 29.

50 Ngi tyo loku, bazalwane, ukuti, inyama negazi ku nge dhle ifa lombuso ka Tixo; ukubola a ku dhli ifa lokungaboli.

Mat. 16. 17. John. 3. 3. 5.

51 Bhokani, ugi ni tyela imifihlakalo, yokuti, A si yi kulala sonke; kepa si ya kuguqulwa sonke.

1 Tes. 4. 15-17. Fil. 3. 21.

52 Ngesikatyanyana, ngokupazima kweso, ngetilongo lokugeina, ngokuba itilongo li ya kukala, abafileyo ba ya kuvuka, be nge nakubola, si guqulwe tina. Zek. 9. 14. Mat. 24. 31. John. 5. 25.

53 Ngokuba lokukubola nga kwambata ukungaboli, nalokukufa nga kwambata ukungafi.

2 Kor. 5. 4.

54 Kepa nxa lokukubola se kwambete ukungaboli, na lokukufa se kwambete ukungafi, kona ku za kwenzeka izwi elilotyiweyo, lokuti, Ukufa se ku gwi-nyuwe ukunqoba.

Isai. 25. 8.

Heb. 2. 14, 15. Isam. 20. 14.

55 Lupi udosi lwako, Kufa na? Kupi ukunqoba kwako, Liba, na?

Hos. 13. 14.

56 Udosi lokufa lu ukona; amandhla okona a umteto.

Rome 4. 15.

57 Kepa ka bongwe uTixo o si nika ukunqoba ngeNkosi yetu, uJesu Kristu.

Rome 7. 25. 1 John. 5. 4, 5.

58 Ngako, bazalwane bami abatandekayo qinani, ni nga zamazami, ni vame njalo imisebenzi yeNkosi, nazi ukuti, imisebenzi yenu a i yi kuba ize eNkosi.

2 Pet. 3. 14. isa. 3. 8.

### ISAHLUKO 16.

**N**NGOKUTELELA abangewe, nje ngaloku nga yala amabandhla a seGalatia, yenzani njalo nani. Imis. 24. 17.

Rome 15. 26. 2 Kor. 8. 4. Gal. 2. 10.

2 Ngosuku lokuqala lwesonto, a ku be lowo wa kini a zibekele njengokubusi-swa kwake, ku nga bi ukutela nxa ngi fikayo.

Imis. 20. 7. Isam. 1. 10.

3 Ekufikeni kwami, labo eni ya kuba keta, ngi ya kubatuma mezinewadi ukuyisa izipo zenu eJerusalem.

2 Kor. 8. 4, 6, 19.

4 Uma ku fanele ukuba ngi hamba nami, ba nga hamba kanye nami.

5 Ngi ya kuza lapo se ngi dhlulile eMakedonia; ngokuba ngi ya kudhlula eMakedonia. Imis. 19. 21. 2 Kor. 1. 16.

6 Ingabe ngi ya kuhlala, mhlaumbe ngi lu qede ubusika kini, ni ze ni ngi pelekezele ekuhambeni kwami lapo ngi ya kuya kona. Imis. 15. 3. & 17. 15. & 21. 5.

7 A ngi nakunibona manje ekudhlu- leni kwami; kepa ngi yetemba ngo ze ngi hlale nani isikati, uma ku vuma iNkosi.

Imis. 18. 21. Jak. 4. 15.

8 Kodwa ngi ya kuhlala eEfesu ku ze ku fike ipentekoste.

9 Ngokuba ngi vulelwe umnyango omkulu o nomsebenzi, baningi abapi- kayo.

Imis. 14. 27. & 19. 9. 2 Kor. 2. 12.

10 Kepa uma ku fika uTimote, bhokani, ni m mise isibindi; ngokuba u ya sebenza umsebenzi weNkosi njengami.

Imis. 19. 22. isa. 4. 17. Rome 16. 21.

Fil. 2. 20, 22. 1 Tes. 3. 2.

11 Ngako a ku nga biko ondelayo; kodwa ni m pelekezele kahle, eze kimi; ngokuba ngi m bhokile yena kanye nabazalwane.

1 Tim. 4. 12. Imis. 15. 33.

12 uApolo umzalwane wetu nga m nxusa kakulu ukuba eze kini kanye nabazalwane; kepa u be nga tandi na kancane ukuza ngalesisikati; kodwa u ya kuza nxa e netuba.

isa. 1. 12. & 3. 5.

13 Lindani ni me, ni qinile ekukolweni, a no ba amadoda, ni be namandhla.

Mat. 24. 42. isa. 15. 1. Fil. 1. 27. & 4. 1.

1 Tes. 3. 8. 2 Tes. 2. 15. Ef. 6. 10. Kol. 1. 11.

14 Konke eni kwenzayo, a kwenziwe ngotando.

isa. 14. 1. 1 Pet. 4. 8.

15 Ngi ya ni nxusa, bazalwane (ni yazi indhlu ka Stefana ukuti, i ngabokuqala ba seAkaya, ba zimise ukuba ba konze abangewe),

isa. 1. 16.

Rome 16. 5. 2 Kor. 8. 4. Heb. 6. 10.

16 Ukuba ni zihlele pausi kwabanjalo, nabo bonke abasebenzayo kanye nati; be kutele.

Heb. 13. 17.

17 Ngi jabule ngokufika kuka Stefana, noFortunatu, noAkaiku; ngokuba ba ku feza loku e be ni ku silele.

2 Kor. 11. 9. Fil. 2. 30. Filemone 13.

18 Ba u tulisile umoya wami nowenu; ngako ba pateni kahle abanjalo.

Fil. 2. 29. 1 Tes. 5. 12.

19 Amabandhla a seAsia a ya konza kini. oAkwila noPrisila ba konza kakulu kini eNkosini, kanye nebandhla la kwabo.

Rome 16. 5, 15. Filemone 2.

20 Abazalwane bonke ba konza kini. Bingelelanani ngokwangana oku ingewe.

Rome 16. 16.

21 Ukubingelela kwami, mina Paule, ngesandhla sami. Kol. 4. 18. 2 Tes. 3. 17.



## II. ABASEKORINTE, 1.

22 Uma ku kona o nga i tandiyo iNkosi yetu uJesu Kristu, a ka be Anathema Maranatha! Ef. 6. 24. Gal. 1. 8, 9. Jude 14, 15.

23 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be kinina. Rome 16. 20.  
24 Utando lwami a lu be kini nonke ngoJesu Kristu. Amenii.

### INCWADI YESIBILI KA PAULE UMPOSTOLI KWABA

## SEKORINTE.

### ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, umpostoli ka Jesu Kristu, ngayo intando ka Tixo, noTimote umzalwane wetu, kulo ibandhla lika Tixo la seKorinte, nabo bonke abangewele aba sezweni lonke la seAkaya.

1 Kor. 1. 1. Ef. 1. 1. Kol. 1. 1, 2. 1 Tim. 1. 1. Fil. 1. 1.

2 A ku be kini umusa nokutula oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNkosi yetu uJesu Kristu. Rome 1. 7. Gal. 1. 3. Fil. 1. 2. 1 Tes. 1. 1. 2 Tes. 1. 2. Filemone 3.

3 A ku bongwe uTixo, uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, uYise wesisa, uTixo wokutokoza konke. Ef. 1. 3. 1 Pet. 1. 3.

4 O si tokozisayo ekuhlupekeni konke kwetu, ukuba si be namaudhla okutokozi aba sekuhlupekeni, ngokutokozi-isa esi tokoziswa ngako nguTixo.

5 Njengaloku ukuhlupeka kuka Kristu ku vamile kitina, njalo ukutokozi-isa kwetu ku vamile ngoKristu.

Imis. 9. 4. isa. 4. 10.

6 Kepa, noma si hlupeka, si ya hlupeka ngenxa yokutokozi-isa nokusindiswa kwenu, oku namandhla ngokubekazela ku lokukuhlupeka esi hlupeka ngako; noma si tokoziswa, si ya tokoza ngenxa yokutokozi-isa nokusindiswa kwenu. isa. 4. 15.

7 Itemba letu ngani li mi li qinile, sazi ukuti, njengaloku ni hlanguyela nati ukuhlupeka, ku njalo ni ya kuhlanganyela nati ukutokoza. Rome 8. 17.

2 Tim. 2. 12.

8 Ngokuba a si tandi, bazalwane, ukuba ni ngazi ukuhlupeka kwetu, okwa sehlela eAsia, ukuti, sa sindwa kakulu, kwa pela amandhla, sa si nge natemba lokuba si za kupila. Imis. 19. 23.

1 Kor. 15. 32. & 16. 9.

9 Yebo, tina sa si nokwabelwa ukufa pakati kwetu, ukuba si nga zitembi tina, si metembe uTixo o vusa abafleleyo; Jer. 17. 5, 7.

10 Owa si kipa ekufeni okungaka, o sa si kipayo kuko; esi metembayo ukuti, u ya kusikipa njalo; 2 Pet. 2. 9.

11 Nani ni bambisana nati ngokusikulekela, ukuba, ngomusa esa u nikwa abaningi, ku bongwe abaningi ngenxa yetu. Rome 15. 30. Fil. 1. 19. Filemone 22. isa. 4. 15.

12 Ngokuba ukutokoza kwetu ku iloku, ukuqinisa kwenhliziyo yetu, ukuti, sa hamba ezweni, kakulu kinina, ngeqiniso na ngesiminya oku ngaye uTixo, ku nga bi ngokwazi kwenyama; kodwa ngawo umusa ka Tixo. 1 Kor. 2. 4, 13.

13 A si lobi okunye kinina, kupela loku eni ku fundayo, eni ku vumayo; ngi yetemba ukuti, ni ya kukuvuma ku ze ku be sekupeleni;

14 Njengaloku ni si vumile nganxanye ngokuti, si intokoziso yenu, njengani ni ya kuba eyetu osukwini lweNkosi uJesu. isa. 5. 12. Fil. 2. 16. & 4. 1.

1 Tes. 2. 19, 20.

15 Nga lokukwetemba, be ngi tanda ukuza kini kuqala, ukuba ni be nokujabula okwesibili, 1 Kor. 4. 19.

16 Ngi dhlule kini ngi ye eMakedonia, ngi buye ngi ze kini, ngi vela eMakedonia, ngi pelekezelve inina ukuya eJudia. 1 Kor. 16. 5, 6.

17 Ngokuketa loku ngenza ngokungaqondi na? Loku engi ku ketayo, ngi ku keta ngokwenyama ini, ngi be nako ukuti, yebo, yebo, nokuti, qa qa?

isa. 10. 2.

18 U qinile uTixo, izwi letu kinina la li nge siko ukuti, yebo, nokuti, qa.

19 Ngokuba iNdodana ka Tixo, uJesu Kristu, owa shunyayelwa pakati kwenu itina, imina, noSilvano, noTimote, wa e nge siko ukuti, yebo, nokuti, qa; kepa kuyena kwa be ku ukuti, yebo.

Mark 1. 1. Heb. 13. 8.

20 Ngokuba ngaye izitembiso zonke zika Tixo zi ngukuti, yebo, na ngaye zi

ngukuti ameni, ku dunyiswe uTixo ngati; Rome 15. 8, 9.

21 O si qinisayo kanye nani kuKristu, owa si geobayo u nguTixo.

1 John. 2. 20, 27.

22 Owa si beka upau, wa si nika isibambiso sika Moya ezinhliziyweni zetu.

isa. 5. 5. Ef. 1. 14.

23 Kepa uTixo u ufakazi, empufumlweni wami, ngokubekezela kinina a ngi kezi eKorinte.

Rome 1. 9.

1 Kor. 4. 21.

24 A ngi tyo si namandhla ekukulweni kwenu; si bambisana nani ekujabuleni kwenu. Ngokuba ni mi ngokukolwa.

1 Pet. 3. 5. Rome 11. 20.

1 Kor. 15. 1. isa. 11. 31. & 13. 2.

### ISAHLUKO 2.

**K**EPA nga tyo loku ngokwami, ngati, a ngi yi kubuya, ngi ze kini ngi dabukile.

isa. 1. 23. & 13. 10.

2 Ngokuba, uma ngi ni dabukisa, ngi nga tokoziswa ubani, uma ku nge siye o datyukiswa imi?

3 Nga ni lobela kona loku, funa ku ti, ekufikeni kwami, ngi dabuke nga labo, engi fanele ngi tokoze ngabo; ngi netemba ngani nonke, lokuti, ukutokoza kwami ku ngokwenu nonke.

isa. 8. 22. & 12. 21. Gal. 5. 10.

4 Ngokuba ngokuhlupeka okukulu, na ngobuhlungu benhliziyo, nga loba kini, ngi nezinyembezi eziningi; a ngi lobanga ukuba ni dabuke, kodwa ukuba ni lwazi utando olukulu engi ni tanda ngalo.

isa. 7. 8, 9, 12.

5 Kepa uma e kona o dabukisileyo, a ka ngi dabukisanga mina, nganxanye kupela, ngi nga ni twesi nonke icala.

1 Kor. 5. 1. Gal. 4. 12.

6 Kwanele o njalo lokokujeziswa, a jeziswa ngako abaningi.

1 Kor. 5. 4, 5

7 Njalo ku lungile ni buye, ni m tetelele, ni m luleke, funa o njalo a bujiswe usizi olukulu.

Gal. 6. 1.

8 Ngaloku ngi ya ni neenga ukuba ni qinisele ukumitanda kwenu.

9 Kwa ku nga loku nga loba, ukuba ngi kwazi ukuqina kwenu, uma ni lalala ezintweni zonke.

isa. 7. 15. & 10. 6.

10 Lowo eni m tetelelayo into, ngi ya m tetelela nami; ngokuba loku engi m tetelele kona uma ngi m tetelele into, nga m tetelela ngenxa yenu pambi kuka Kristu;

11 Ukuba si ngahlulwa uSatani; ngokuba a si sibo abangaziyo amacebo ake.

12 Kepa ukufika kwami eTroa ukushumayela ivangeli lika Kristu, ngi vulwelwe umnyango iNkosi.

Imis. 16. 8. 1 Kor. 16. 9.

13 Nga be ngi nge nako ukutula enhliziyweni yami, ngokuba ngi nga m fumananga uTitusi umzalwane wami; kodwa nga ba valelisa, nga dhlula nga ya eMakedonia.

isa. 7. 5, 6.

14 Ma ka bongwe uTixo, o senzayo ngesikati sonke si nqobe ngoKristu, o zwakalisayo ngati ulwasi lokwazi kwa-ke ezindaweni zonke.

Isihl. 1. 3.

15 Ngokuba si ipunga elimnandi lika Kristu kuye uTixo, ngabasindiswayo na ngababubayo.

1 Kor. 1. 18. isa. 4. 3.

16 Ku laba si ipunga lokufa ku be ukufa; ku labo si ipunga lokupila ku be ukupila. Ubani o ku faneleyo iko loku na?

Luk. 2. 34. John. 9. 39.

1 Pet. 2. 7, 8. isa. 3. 5, 6.

17 Ngokuba tina a si njengabaningi aba lona izwi lika Tixo; kepa njengabesiminya, njengabaka Tixo ebusweni buka Tixo, si kuluma ngoKristu.

isa. 1. 12. & 4. 2. & 11. 13. 2 Pet. 2. 3.

### ISAHLUKO 3.

**S**I buya si qale ukuzincoma na? Si ya dinga ini, njengabanye, izinewadi zokusibabaza kinina, nezineewadi zokusibabaza zi vela kinina?

isa. 5. 12. & 10. 12. & 12. 11. Imis. 18. 27.

2 Nina ni inewadi yetu e lotyiwe ezinhliziyweni zetu, eyaziwa, i fundwa abantu bonke;

1 Kor. 9. 2.

3 Ni bonakaliswa ukuti, ni inewadi ka Kristu, e setyeuzwa itina; e nga lotyiwe ngeinke, kodwa ngoMoya ka Tixo opilayo, e nga lotyiwe ezibhebheni zamaty, kodwa ezibhebheni zenyama yenhliziyo.

1 Kor. 3. 5.

Eks. 24. 12. & 34. 1. Jer. 31. 33. Hez. 11. 19.

4 Itemba ezi njalo si nalo kuTixo ngaye uKristu;

5 A ngi tyo si namandhla ukuqamba into ngokwetu, oku nga ti a vela kitina; kodwa amandhla etu a vela kuTixo;

1 Kor. 15. 10. isa. 2. 16.

6 O senzileyo si be namandhla okuba izikonzi zesivumelwano esitya; si nge sizo ezegama, kodwa ezomoya; ngokuba igama li ya bulala, kodwa umoya u ya pilisa.

1 Kor. 3. 5. isa. 5. 18. Ef. 3. 7.

Kol. 1. 25. 1 Tim. 1. 12. Jer. 31. 31.

Heb. 8. 6, 8. || Rome 2. 27. & 3. 20. & 4. 15.

& 7. 9-11. Gal. 3. 10. John. 6. 63.

## II. ABASEKORINTE, 4.

7 Kepa uma inkonzo yokufa, elotyiyeyo ngamazwi ematyeni ya i nokukazimula okungaka, ukuba abantwana baka Israeli ba be nge nakubuka ubuso buka Mosi ngokukazimula kobuso bake, ukukazimula o be ku za kupela;

Eks. 34. 1. & 34. 29-35. Dnt. 10. 1.

8 Inkonzo yomoya a i yi kuba nokukazimula okukulu kakulu na?

Gal. 3. 5.

9 Ngokuba, uma inkonzo yokulahlwa i ukukazimula, kakulu inkonzo yokulungana i ya hlula ngokukazimula.

Rome 1. 17. & 3. 21.

10 Ngokuba loko okwa ku nokukazimula, kwa ku nge nakukazimula ngaloku, ngenxa yokukazimula okwahlulayo.

11 Ngokuba uma loko o be ku za kupela, kwa ku nokukazimula, kakulu okuhlalayo ku nokukazimula.

12 Njalo, loku si netemba elinje, si mi isibindi;

isa. 7. 4. Ef. 6. 19.

13 A si njengoMosi owa gubuzela ubuso bake ngendwangu, ukuba abantwana baka Israeli ba nga bonisisi ukugeina kwa loko o be ku za kupela.

Eks. 34. 33, 35. Rome 10. 4. Gal. 3. 23.

14 Kodwa izinhliziyi zabo za zi butuntu; ngokuba indwangu yokugubuzela i sa hlezi na namhla nxa ku fundwayo isivumelwano esidala; kepa i pela kuKristu.

Mat. 13. 14. Rome 11. 25.

isa. 4. 4.

15 Kodwa na namhla nxa uMosi e fundwa, indwangu yokugubuzela i sa hlezi pezu kwenhliziyi yabo.

16 Kepa nxa be buyela eNkosini, indwangu i ya kususwa.

Rome 11. 23, 26. Isai. 25. 7.

17 iNkosi i nguye uMoya; na lapa u kona uMoya weNkosi, ku kona nokukululeka.

18 Kepa tina sonke, ngobuso obungatuyuzelweyo si ku buka njenga sesibukweni ukukazimula kweNkosi, si ya penduka wona lomfanekiso, si vame, sande njalonjalo ukukazimula, ku nga ti ngoMoya weNkosi.

1 Kor. 13. 12. isa. 4. 4, 6. Rome 8. 29.

### ISIAHLUKO 4.

**N**GAKO, loku si na lenkonzo, njengomusa esi u piweyo, a si dangali;

isa. 3. 6. 1 Kor. 7. 25.

2 Kepa si lahlile imfihlo yezinhloni; si nga hambani ngobuqili, si nga pati izwi lika Tixo ngenkohliso; kepa ngokubo-

nakalisa iqiniso si zincoma ezinhliziyweni zabantu bonke pambi kuka Tixo.

Rome 6. 21. isa. 2. 17. & 6. 7. & 7. 14. isa. 5. 11.

3 Kepa uma ivangeli letu li fihlekile, li fihlekile kwabalahlekileyo;

1 Kor. 2. 18. isa. 2. 15.

4 Izinhliziyi zabangakolwayo kubona, utixo wa lelizwe u zi pumputekise, ukuba ba nga kanyiswa ukukanya kwevangeli elikazimulayo lika Kristu, o ngumfanekiso ka Tixo.

John. 12. 31. Ef. 6. 12. Isai. 6. 10.

isa. 3. 8, 9, 11, 18. John. 14. 9. Fil. 2. 6.

Kol. 1. 15. Heb. 1. 3.

5 Ngokuba a si zishumayeli tina, zi shumayela uJesu Kristu, iNkosi, tina si ngabanikonzayo ngoJesu.

1 Kor. 1. 23. & 9. 19. isa. 1. 24.

6 Ngokuba u nguTixo owa tyo ukuba ukukanya ku kanye ebumnyameni, owa kanya ezinhliziyweni zetu, ukuze a si pe ukukanya kokwazi ubukosi buka Tixo ebusweni buka Jesu Kristu.

Gen. 1. 3. 2 Pet. 1. 19.

7 Kodwa si nayo lemfuyo ezityeni zebumba ukuba ubukulu bamandhla bu be obuka Tixo, bu nga bi obetu.

isa. 5. 1. 1 Kor. 2. 5. isa. 12. 9.

8 Si ya hlupeka indawo zonke, kodwa a si jiyezekile; si ya dinga uma senze njani, kodwa a si pela mandhla;

isa. 7. 5.

9 Si ya zingelwa, kodwa a si deliwe; si wiswa pansu, kodwa a si bujisiwe;

Izihl. 37. 24.

10 Si ku twele njalonjalo emzimbeni wetu ukufa kuka Jesu ukuba nokupila kuka Jesu ku bonakaliswe emzimbeni wetu.

1 Kor. 15. 31. isa. 1. 5, 9.

Rome 8. 17. 2 Tim. 2. 11. 1 Pet. 4. 13.

11 Ngokuba tina esipilayo si nikelwa ekufeni futifuti ngenxa ka Jesu ukuba ukupila kuka Jesu ku bonakaliswe emzimbeni wetu ofayo.

Izihl. 44. 22. Rome 8. 36.

12 Ku njalo ukufa ku sebenza kitina, kepa kinina ukupila.

isa. 13. 9.

13 Loku si nawo lomoya wokutemba, njengokulotyiweyo ukuti, Nga temba, ngaloko nga shumayela; nati si ya temba, ngako si ya shumayela;

Rome 1. 12. 2 Pet. 1. 1. Izihl. 116. 10.

14 Sazi ukuti yena owa vusa iNkosi uJesu, u ya kusivusa nati ngaye uJesu, a si veze kanye nani.

Rome 8. 11. 1 Kor. 6. 14.

15 Ngokuba konke ku ya ngenxa ye-

nu, ukuze umusa ovamileyo ngabaningi u xumelele ubukosi buka Tixo.

1 Kor. 3. 21. isa. 1. 6.

16 Ngaloko a si pela mandhla; kodwa, noma ku buba ubuntu betu obungapandhle, obungapakati benziwa butya imihla ngemihla. Rome 7. 22.

17 Ngokuba ukuhlupeka kwetu okululana, okwa kaloku nje, ku ya si sebenzela ubukosi obupakade obukulu kakulu kakulu; Rome 8. 18. 1 Pet. 5. 10.

18 A si ku bheki okubonwayo, si bheka okungabonwayo; ngokuba okubonwayo ku ngokwamanje; kepa okubonwayo ku ngokwapakade. Rome 8. 24. isa. 5. 7.

### ISIAHLUKO 5.

**N**YGOKUBA si yazi, uma indhlu yetu ya komhlaba e idokodo i citekile, si nayo eyakiweyo uTixo; indhlu e ngenziwanga ngezandhla, e pakade, e sezulwini. Jobe 4. 19. isa. 4. 7. 2 Pet. 1. 13, 14.

2 Ngokuba kule si ya bubula, si langazela ukwambata indhlu yetu ya sezulwini; Rome 8. 23.

3 Loku si ya kufunyanwa sambete, si ngezi. Isam. 3. 18. & 16. 15.

4 Ngokuba tina esi kona edokodweni si ya bubula, si cindezelwa; kepa ngaloku a si tandi ukwambula, si tanda ukwambata, ukuba ukufa ku minzwe ukupila. 1 Kor. 15. 53, 54.

5 O wa senzela kona loko u nguTixo, o si pile isibambiso sika Moya. Isai 29. 23. Rome 8. 23. isa. 1. 22. Ef. 1. 14.

6 Ngaloko si mi isibindi njalo, sazi ukuti nxa si kona emzimbeni, si nge ko eNkosini;

7 (Ngokuba si hamba ngokukolwa; a si hambi ngokubona.) 1 Kor. 13. 12. Heb. 11. 1.

8 Yebo, si mi isibindi, si ti kuhle si nga hlali emzimbeni, kuhle si ye si hlale eNkosini. Fil. 1. 23.

9 Ngalokoke si ya zama, ukuba si koleke kuyo, noma si kona, noma si ngeko.

10 Ngokuba tina sonke so bonakala pambi kwesihlalo sokwahlula sika Kristu, ukuba ilowo a kwamkele oku ngomzimba wake, njenga loko a kwenzileyo, noma kuhle, noma kubi. Rome 2. 6. & 14. 10. Gal. 6. 7.

11 Ngako, loku sazi ukwesabeka kweNkosi, si ya ncenga abantu; kepa si sobala kuTixo; ngi ya temba ukuti si sobala na sezinhliziyweni zenu. Jobe 31. 23. Heb. 10. 31. Jude 23. isa. 4. 2.

12 Ngokuba a si buyi si zinecome kinya; kodwa si ni nika ituba lokubonga ngati, ukuba ni be nokupendula kwababongayo ngokubonakalayo, be nga bongi ngenhliziyu. isa. 1. 14. & 3. 1.

13 Ngokuba noma si hlanya, ku ngenxa ka Tixo; noma si qondile, ku ngenxa yenu. isa. 11. 1, 16, 17. & 12. 6, 11.

14 Ngokuba ukutanda kuka Kristu ku ya si qubezela; si qonda loku si ti, uma e muniye wa fela bonke, kona bonke ba be file; Rome 5. 15.

15 Wa fela bonke, ukuba abahlalayo ba nga zihlaleli, ba hlalele owa fa ngabo, wa buya wa vuka. Rome 6. 11, 12. & 14. 7.

16 Njalo a si sa yi ku mazi umuntu ngokwenyama; noma sa ke sa mazi uKristu ngokwenyama, kepa kaloku a si sa yi kumazi. Fil. 3. 7, 8. John. 6. 63.

17 Njalo uma umuntu e kuKristu, u ngumuntu omutya; okwakuqala ku dhluile; bheka, konke, kwenziwe kutya. Rome 16. 7. Gal. 5. 6. & 6. 15. Ef. 2. 15. Isam. 21. 5.

18 Konke ku vela kuTixo, owa buyisana nati ngoJesu Kristu, wa si nika inkonzo yokubuyisana; Rome 5. 10. Kol. 1. 20.

19 Ku ngukuti uTixo gaye uKristu u buyisana nezwe, e nga ba baleli izipambuko zabo; e beka kitina izwi lokubuyisana; Rome 3. 24, 25.

20 Njalo si ngabatunywa, ngoKristu, ku nga ti uTixo e ni ncenga ngati; si ni nxusa gaye uKristu, buyisanani noTixo. Mat. 2. 7. Ef. 6. 20. isa. 6. 1.

21 Ngokuba, ongakwaziyo ukona, wa m enza ukona ngati, ukuba tina senziwe gaye ukulunga kuka Tixo. Isai. 53. 6, 9. Gal. 3. 13. 1 John. 3. 5.

Rome 1. 17. & 5. 19. & 10. 3.

### ISIAHLUKO 6.

**L**OKU si sebenza kanye naye, si ni ncenga, ukuba ni nga wamkeleli umusa kaTixo ize. 1 Kor. 3. 9. isa. 5. 20. Heb. 12. 15.

2 Ngokuba u ti, Ngi ku zwile ngesikati esihle; nga ku siza ngosuku lokusindiswa; bheka, kaloku se ku isikati esihle impela; bheka, kaloku se ku usuku lokusindiswa. Isai. 49. 8.

3 Si nga eunuli muntu ngaluto, funa ukukonza ku solwe: Rome 14. 13. 1 Kor. 9. 12. & 10. 32.

4 Kepa ngako konke si zibonakalisa ngokufancele izikouzi zika Tixo, ngoku-

## II. ABASEKORINTE, 7.

bekezela okuningi, na ngokukatazeka,  
na ngosizi, 1 Kor. 4. 1.

5 Na ngokutyaywa, na ngokubotywa,  
na ngokuvukelwa, na ngemisebenzi, na  
ngokuliuda, na ngokuzila ukudhla,  
isa. 11. 23.

6 Na ngobungewe, na ngokwazi, na  
ngokubheka kade, na ngobunene, na  
ngoMoya o ingewe, na ngotando olu  
nga zenzisiyo,

7 Na ngezwi leqiniso, na ngamandhla  
ka Tixo, na ngezikalali zokulunga ezoku-  
nene nezokohlo, isa 4. 2. & 10. 4.  
1 Kor. 2. 4. Ef. 6. 11, 13.

8 Ngodumo na ngehlozo, ngokutu-  
kwa na ngokudunyiswa; ku nga ti si  
ngabakohlisayo, kepa si ngabeqiniso;

9 Ku nga ti si ngabangaziwayo, kepa  
saziwa kakulu; ku nga ti si ngabafayo,  
kepa, bhokani, si kona; ku nga ti si  
tyaywa, kepa a si bulewe;  
1 Kor. 4. 9. isa. 4. 10. & 11. 6. Izihl. 118. 18.

10 Si njengabadabukileyo, kepa si sa  
tokoza njalo; si njengabampofu, kepa si  
cebisa abaningi; si njengaba nge nalu-  
to, kepa si nako konke.

11 Unlomo wetu u vulekele kinina,  
ba seKorinte; inhliziyu yenu yanukile.  
isa. 7. 3.

12 A ni nyinyekile ngati, kodwa ni  
nyinyekile ngokwenhliziyu yenu.  
isa. 12. 15.

13 Ukukokela ngokunjalo, (ngi shu-  
mayela njenga kubautwana), a nanuke  
nani. 1 Kor. 4. 14.

14 Ma ni nga botyelwa ndawonye na-  
bangakolwayo; ngokuba i kupi ukuhla-  
ngana kokulunga nokungalungi? i kupi  
ukuhlanganyela kokukanya nobumnyama  
na? Dut. 7. 3.  
1 Sam. 5. 2, 3. 1 Ama. 18. 21. 1 Kor. 10. 21.  
Ef. 5. 7, 11.

15 I kupi ukuzwana kuka Kristu no-  
kuka Bhalali? ukupi ukwahlulelana ko-  
kolwayo nongakolwayo.

16 I kupi ukuvumelana kwetempeli  
lika Tixo nezitombe? Ngokuba nina ni  
itempeli lika Tixo opilayo; njengokutyo  
kuka Tixo, ukuti, Ngi ya kuhlala kubo,  
ngi hambe pakati kwabo; ngi ya kuba  
uTixo wabo, ba be abantu bami.

1 Kor. 3. 16. Ef. 2. 21, 22. Eks. 29. 45.  
Levi 26. 12. Jer. 31. 33.

17 Ngakoke pumani kubo, nahlukane  
nabo, i tyo iNkosi i ti ni nga pati oku-  
ngcolileyo; ngi ya kamamkela,

Isai. 52. 11. isa. 7. 1. Isam. 18. 4.

18 Ngi be uYihlo wenu, ni be amado-

dana namadodakazi ami, i tyo iNkosi  
uSomandhla. Jer. 31. 1, 9. Isam. 21. 7.

### ISAHLUKO 7.

**L**OKU si na lezizitembiso, batandeka-  
Lyo, a si zihlanze ukungcola konke  
komzinba nokomoya, si pelalise ubu-  
ngewele ngokumesaba uTixo.

isa. 6. 17, 18. 1 John. 3. 3.

2 A ke ni samkele; a senzanga kabi  
kumuntu, a sonanga muntu, a si dhla-  
nga muntu. Imis. 20. 33. isa. 12. 17.

3 A ngi tyo loku ukuba ni solwe;  
ngokuba se ngi tyilo ukuti, ni sezinhli-  
ziyweni zetu, ukuba si fe nani, nokuba  
si pile nani. isa. 6. 11, 12.

4 Si kulu isibindi sami kinina; ku  
kulu ukutusa kwami ngani; ngi gewele  
ukujabula, ngi vama nokuvama ukuto-  
koza ekulupekeni konke kwetu.

1 Kor. 1. 4. isa. 1. 4, 14. & 3. 12. Fil. 2. 17.

5 Ngokuba, ukufika kwetu eMakedo-  
nia, umzimba wetu wa u nga nakutula,  
kepa sa hlupeka indawo zonke; nga-  
pandhla ya i kona inkani, ngapakati  
ukwesaba.

isa. 2. 13. & 4. 8. Dut. 32. 25.

6 Kepa uTixo o tokozisayo abatobe-  
kileyo, wa si tokozisa ngokufika kuka  
Titusi; isa. 1. 4.

7 A ngi tyo ngokufika kwake kodwa;  
ngi tyo na ngokutokoziswa, a tokoziswa  
ngako kinina, e si landisa ukululukelwa  
kwenu, nokudabuka kwenu, nokuqi-  
nisa kwenu ngami; njalo kwengezwa  
ukutokoza kwami.

8 Noma nga ni dabukisa ngenewadi, a  
ngi dabukele loko, noma nga ngi ku  
dabukela; ngokuba ngi ya bona leyo-  
newadi ya ni dabukisa, kwa ku Isika-  
tyana kodwa. isa. 2. 4.

9 Manje ngi ya tokoza; a ngi tokozi,  
ngokuba na dabuka, kepa ngokuba na  
dabuka, kwa ba ukupenduka; ngokuba  
na dabuka ngokuka Tixo, ukuba ni nga  
lahlekelwa uto ngati.

10 Ngokuba ukudabuka oku ngokuka  
Tixo ku ya veza ukupenduka, ku be  
ukusindiswa, oku nge nakudabuka nga-  
ko; kepa ukudabuka oku ngokomhlaba  
ku ya veza ukufa, 2 Sam. 12. 13.  
Mat. 26. 75. Amazwi 17. 22.

11 Ngokuba, bhokani, ikona loku,  
ukudabuka kwenu oku ngokuka Tixo,  
kwenza kinina ukuqinisa okungaka,  
yebo, nokuzipendulela; yebo, nokusola;  
yebo, nokwesaba; yebo, nokululukelwa;  
yebo, nesibindi; yebo, nokupindisa. Ku-

## II. ABASEKORINTE, 8.

ko konke ni zibonakalisa, ukuti a ni nacala nga leyonto.

12 Njalo, noma nga ni lobela, a ngi lobanga ngenxa yowonileyo, na ngenxa yowoniwe; nga loba ukuba ukunikutalela kwetu pambi kuka Tixo ku be sobala kini. isa. 2. 4.

13 Ngaloko sa tokoziswa; kepa eku-tokozeni kwetu sa jabula kakulu kakulu ngokujabula kuka Titusi, ngokuba ihhliziyo yake ya punyuzwa imina nonke. Rome 15. 32.

14 Ngokuba uma nga ke nga ni babaza ngento kuyena, a ngi namahloni; kepa njengokuba konke esa shumayela kinina ku iqiniso, ku njalo ukunibabaza kwetu kuTitusi ku iqiniso.

15 Yebo, ihhliziyo yake ya pela kakulu kinina, e kumbula ukulalela kwenu nonke, ukuti na m vumela ngokwesaba nokututumela.

isa. 2. 9. & 6. 12. Fil. 2. 12.

16 Ngi ya jabula ngokuba kuko konke ngi netemba ngani. 2 Tes. 3. 4.

### ISAHLUKO 8.

**S**I ya nazisa, bazalwane, umusa ka Tixo a u piweyo amabandhla a seMakedonia;

2 Ukuti ekulingweni okukulu kokuhluka, ukutokoza kwabo okukulu, nobumpofu babo obutyonisayo, bu vamele ku be mkulu umusa wabo.

Mark 12. 44. isa. 9. 11.

3 Ngokuba ngokwamandhla abo, ngi ya qinisa, yebo na ngapezu kwamandhla abo, ba be vuma ngokwabo;

4 Ba si nxusa ngokuncenga okukulu, ukuba si kwamkele aba si pe kona, si hlanganyele ukwabela abangewele.

Imis. 24. 17. Rome 15. 25, 26.

1 Kor. 16. 1. 3, 4. isa. 9. 1.

5 A kwa ba njengokwetemba kwetu, kepa ba zinika eNkosi ni kuqala, na kitina ngentando ka Tixo;

6 Sa za sa m ncenga uTitusi, ukuba, njengaloku wa be qalile, a buye a feze pakati kwenu lomusa. isa. 12. 18.

7 Yebo njengaloku ni vama konke, ukukulwa, nokushumayela, nokwazi, nokukutala konke, nokusitanda tina, ma ni vame na lomusa.

1 Kor. 1. 5. & 12. 13. isa. 9. 8.

8 A ngi tyo loku ngokuniyala, ngi tyo ngokukutala kwabanye ngi linga ukutanda kwenu, uma ku iqiniso.

1 Kor. 7. 6.

9 Ngokuba ni yazi umusa weNkosi

yetu uJesu Kristu, ukuti, noma e cebile, wa ba mpofu ngenxa yenu, ukuba ni cebe ngobumpofu bake. Mat. 8. 20.

Luk. 9. 58. Fil. 2. 6, 7.

10 Na ku loku ngi ya nika izwi; ngokuba loku ku fanele nina, ena qala nyakenye, a ngi tyo ukwenza kodwa, kepa nokwenza ngesihle. 1 Kor. 7. 25.

Amazwi 19. 17. 1 Tim. 6. 18, 19.

Heb. 13. 16. isa. 9. 2.

11 Manje fezani lomsebenzi ku ze ku ti, njengaloku kwa ku kona ukutanda kwenhliziyo, ku be nokufeza nga loku eni nako.

12 Ngokuba, uma ku kona ukutanda kwenhliziyo, umuntu u ya vunyelwa njenga nako, ku nga bi jenga nge nako.

Mark 12. 43, 44. Luk. 21. 3.

13 A ngi tyo ma ku be lula kwabanye, ku be nzima kinina;

14 Kepa a ku be okulingeneyo; kona ku lesisikati ukuvama kwenu ku mele ukudinga kwabo, ukuba ukuvama kwabo ku buye ku mele ukudinga kwenu, ku ze ku be ukulingana;

15 Njengokulotyiweyo ukuti, O be bute okuningi, ka banga nako okudhlulileyo, no be bute okuncinyane, ka ntulanga. Eks. 16. 18.

16 Kepa ka bongwe uTixo owenza enhliziyweni ka Titusi loku ukunikutalela.

17 Ngokuba wa vuma ukuyalwa; kepa loku e kutele kakulu, weza kinina ngokutanda kwake.

18 Si tumile kanye naye umzalwane, okubongwa kwake ngevangeli ku semabandhlani onke; isa. 12. 18.

19 Ku nge siko loko kodwa, kepa wa miswa amabandhla, ukuba a si pelekezele, a ye nawo lomusa owabiwa i ti, ku ze ku hlaluke ubukosi beNkosi leyo, nokutanda kwenhliziyo yenu;

1 Kor. 16. 3, 4. isa. 4. 15. & 9. 8.

20 Si ku xwaya loku, ukuba si nga solwa muntu ngobuningi lobu obabiwa itina.

21 Ngokuba si katalala okuhle, ku nge sebusweni beNkosi yodwa; kepa ku na sebusweni babantu. Rome 12. 17.

1 Pet. 2. 12.

22 Si tumile kanye nabo umzalwane wetu, esi m fumene futifuti e kutele ngezinto eziningi, kepa kaloku u kutele kakulu kakulu ngokunetemba kwake.

23 Uma ku buzwa ngoTitusi, u ngumhlanganyeli nesisebenzi kanye nani kinina noma ku buzwa ngabazalwane

betu, ba ngabapostoli bamabandhla, ubukosi buka Kristu. Fil. 2. 25.

24 Ngako ma ni bonakalise kubona na pambi kwamabandhla isiboniso sotando lwenu nokunibabaza kwetu. isa. 7. 14. & 9. 2.

ISAHLUKO 9.

**N**NGOKWABELA abangewe, a ku sweleki ngi ni lobele; isa. 8. 4. Gal. 2. 10.

2 Ngokuba ngi ya kwazi ukutanda kwenhliziyo yenu, engi ni babaza ngako kwaba seMakedonia, ukuti, aba se-Akaya ba be lungile nyakenye; ukuqinisa kwenu kwa ba vusa abaningi. isa. 8. 10, 19, 24.

3 Kepa ngi tumile abazalwane, ukuba ukunibabaza kwetu ku ngenziwa ize nga leyonto, ku ze ku ti, njengokutyo kwami, ni be ni lungile; isa. 8. 6, 17, 18, 22.

4 Funu, uma ku fika nami aba seMakedonia, ba ni fumane ni nga lungile; si jabe tina, (ngi nga tyo nina,) nga loku ukwetemba kwetu.

5 Ngaloko be ngi ti, ku fanele ngi nxuse abazalwane beze kuqala kinina, ba lungise ngapambili loko eni ku payo okwa tyiwo kuqala, ukuba ku hlale ku lungile loko, ku be njengokuphiwa ngesihle, ku nga bi njengokufiswa :

Gen. 33. 11. 1 Sam. 25. 27. 2 Ama. 5. 15.

6 Kepa ku kona ukuti, O hlwanyela incozana, u ya kuvuna incozana; o hlwanyela kakulu, u ya kuvuna kakulu. Amazwi 11. 24. & 19. 17. Gal. 9. 7, 9.

7 A ku be ilowo a pe njenga ku tyoyo enhliziyweni yake, ku nga bi ngokudabuka, na ngokucindezelwa; ngokuba uTixo u ya m tanda opayo ngokuto-koza. Dut. 15. 7. Eks. 25. 2. Rome 12. 8. isa. 8. 12.

8 Kepa uTixo u namandhla okuvasima umusa wonke kinina, ni ze ni be nokwanela konke ezintweni zonke ngezikati zonke, ni vame imisebenzi yonke elungileyo; Amazwi 28. 27. Fil. 4. 19.

9 Njengokulotyiweyo ukuti, Wabile, u ba pile abampofu; ukulunga kwake ku mi pakade. Izihl. 112. 9.

10 Yena o nika ohlwanyelayo imbeu nokudhla okudhliwayo, u ya kunika a yandise imbeu yenu, a kulise izitelo zokulunga kwenu; Isai. 55. 10. Hos. 10. 12. Mat. 6. 1.

11 Ni cebile izinto zonke, ku be isisa sonke, esenzayo ngati ku bongwe uTixo. isa. 1. 11. & 8. 2.

12 Ngokuba ukwabiwa kwa lesi-sipo a kwanele ukuswela kwabangewele kodwa, kepa ku ya ku vamisa kakulu ukumbonga uTixo; isa. 8. 14.

13 Ba ti ngokubona loku ukwabiwa, ba m dumise uTixo ngokulalela kwenu okuvumayo ivangeli lika Kristu, na ngokubapa kwenu okukulu, bona nabo bonke. Mat. 5. 16.

14 Na ngokunikulekela kwabo, be ni langazela ngawo umusa onkulu ka Tixo o kinina. isa. 8. 1.

15 Ma ka bongwe uTixo ngesipo sake esi nge nakukulunywa. Jak. 1. 17.

ISAHLUKO 10.

**N**NGI ya ni neenga mina Paule, ngokubekezela na ngobunene buka Kristu, mina engi tobile pakati kwenu nxa ngi kona, kepa nxa ngi nge ko ngi nesi-bindi ngakini: Rome 12. 1.

2 NgI ya ni neenga ukuba, nxa ngi kona, ngi nga bi nasibindi sokuqinisa, engi ti ngi ya kuba naso kwabanye abatyoyo be ti, si ya hamba ngokwenyama.

1 Kor. 4. 21. isa. 13. 2, 10.

3 Ngokuba noma si hamba si senyameni, a si lwi ngokwenyama :

4 Ngokuba izikalizokulwa kwetu a sizo ezenyama; zi namandhla ngaye uTixo okucita izinqaba; Ef. 6. 13.

1 Tes. 5. 8. 1 Tim. 1. 18. 1 Kor. 2. 5. isa. 13. 3, 4. Jer. 1. 10.

5 Si cita imicabango, nokudepileyo konke oku zikukomezayo pezu kokumazi uTixo, si tumbela ukuzindhla konke ukumlalela uKristu.

6 Futi si lungele ukujezisa ukungalaleli konke, lapo ku pelele ukulalela kwenu. isa. 2. 9. & 13. 2, 10.

7 Ni ya bheka izinto ngokubonakalayo. Uma umuntu e zetemba yena, ukuti, u ngoka Kristu, a ka buye, a qonde loku futi ngokwake, ukuti, njengokuba yena u ngoka Kristu, si ngabaka Kristu nati. John. 7. 24. isa. 5. 12. 1 John. 4. 6. 1 Kor. 3. 23. & 9. 1. & 14. 37.

8 Ngokuba, noma ngi bongu kakulu amandhla etu, esi wa piweyo iNkosi, ukuba nakelwe iwo, ni nga bujiswa, a ngi yi kuba namahloni; isa. 7. 14. & 12. 6. & 13. 10.

9 Ukuba ku nga tiwa ngi njengo ne-sabisayo ngezincwadi.

10 Ngokuba ku tyiwo abatile ukuti, izincwadi zake zi nzima, zi namandhla; kepa nxa e kona unzimba wake ubuta-

## II. ABASEKORINTE, 11.

kataka, ukukuluma kwake ku delele-kile: 1 Kor. 1. 17. & 2. 3. isa. 11. 6. & 12. 7. Gal. 4. 13.

11 Ma ka qonde o njalo loku kokuti, njengokuba si njalo ngokukuluma nge-nzewadi nxa si nge ko, so ba njalo na ngokwenza nxa si kona.

12 A si nasibindi sokuti, si ngabazi-ncomayo, nokuzifanisa tina nabo; kepa bona, ngokulinganisana, na ngokufanisa-bodwa, a ba hlakanipile. isa. 3. 1.

13 Kepa tina a si yi kubonga ngoku-ngalinganisiwe; si ya bonga ngokuli-nganisiweyo komudwa, esi ku piwe uTixo, ku be okulinganisiweyo kokuba si finyelele na kinina.

14 A si zeluli, si dhlule okulinganisi-weyo, njengokungati a si finyeleli kini-na; ngokuba se si fikile na kinina nge-vangeli lika Kristu. 1 Kor. 3. 5.

15 Si nga bongi ngokungalinganisiwe emisebenzini yabanye abantu; kodwa si netemba lokuti nxa kwandile ukuko-lwa kwenu, si ya kukuliswa kakulu ini-na ngomudwa wetu, Rome 15. 20.

16 Si ye si shumayele ivangeli ezinda-weni ezi ngapambile kwenu, si nga bon-gi emudweni womunye umuntu ngezi-nto e se zi lungisiwe.

17 Kodwa o bongayo, ka bongwe nge-Nkosi. Jer. 9. 24. 1 Kor. 1. 31.

18 Ngokuba o ziucomayo a siye o vuyelwayo kepa uye o neonywayo iNkosi. Amazwi 27. 2. Rome 2. 29.

### ISAHLUKO 11.

**S**ENGATI ni nga bekezela incozana ebuuleni bami; yebo, bekezeleni kimi. isa. 5. 13.

2 Ngokuba ngi ya ni tanda ngoku-tanda okukulu; ngi neudisile endodeni inye ukuze ngi ni yise kuKristu ni into-mbi epeleleyo. Gal. 4. 17, 18. Kol. 1. 28.

3 Kepa ngi novalo, funa mhlaumbe, njengenyoka ya m kohlisa uEva ngobu-qili bayo izinhliziyo zenu zoniwe zi pambuke ebuqotweni obu kuKristu. Gen. 3. 4. John. 8. 44. Kol. 2. 4, 8, 18.

2 Pet. 3. 17.

4 Uma lowo ozayo e shumayela omunye uJesu, esi nga m shumayelanga; noma ni piwa omunye uMoya, eni nga u piwanga; noma elinye ivangeli, eni nga li zwanga, nga be ni vuma. Gal. 1. 7, 8.

5 Ng ti mina a ngi mncane ngaluto ku nabapostoli abakulu. isa. 12. 11. Gal. 2. 6.

6 Kepa noma ngi ibimbi nje ngoku-shumayela, a ngi silo ngokwazi; kepa ezintweni zonke na sezindaweni zonke si bonwe inina. 1 Kor. 1. 17. Ef. 3. 4. isa. 4. 2. & 5. 11. & 10. 10. & 12. 12.

7 Ngonile ini ngokuzitobisa mina ukuba ni pakanyiswe nina, loku ngi ni shumayeze ivangeli lika Tixo ngesihle na? Imis. 18. 3.

1 Kor. 9. 6, 12. isa. 10. 1.

8 Nga panga amanye amabandhla, ngabelwa iwo, ukuba ngi konze nina.

9 Na lapo be ngi kona kinina, ngi swele, a ngi banga umtvalo kumuntu; ngokuba loko, e be ngi ku swele, kwa piwa abazalwane aba be vela eMakedonia; na sezintweni zonke ngi zilo-dile ngi nga bi umtvalo kini, ngo zilonda njalo. Imis. 20. 33. 1 Tes. 2. 9. Fil. 4. 15, 16. isa. 12. 13, 14, 16.

10 Iqiniso lika Kristu li kini, loku ukubonga a ku so ze ku nqanyulwe kimi emazweni a seAkaya. Rome 9. 1. 1 Kor. 9. 15.

11 Ngani na? ngokuba ngi nga ni tandi na? uTixo u yazi. isa. 6. 11. & 7. 3. & 12. 15.

12 Kepa loku engi kwenzayo ngi ya kukwenza, ukuba ngi vimbe ituba kwaba funa ituba, ukuba ba funyanwe be njengati, nga loko aba bongwe ngako. 1 Kor. 9. 12.

13 Aba nje ba ngabapostoli bamanga, izisebenzi ezikohlisayo, be zipendula abapostoli baka Kristu. Imis. 15. 24. Rome 16. 18 Gal. 1. 7. & 6. 12.

Fil. 1. 15. & 3. 2. 2 Pet. 2. 1. 1 John 4. 1. isa. 2. 17. Titusi 1. 10, 11.

14 Kepa a ku nakumangalelwa, ngokuba uSatani uqobo u zipendula ingelosi yokukanya. Gal. 1. 8.

15 Njalo a siyo into enkulu, noma izikonzi zake zi zipendula zi be njengezi-ikonzi zokulunga, okokupela kwazo ko ba njengemisebenzi yazo. isa. 3. 9. Fil. 3. 19.

16 Ng ti futi, Ma ku nga tyo muntu ukuti, ngi isiula; kepa, uma ku nge njalo, ngi vumeleni ngokungati ngi isiula, ukuba ngi zibonge incozana. isa. 12. 6, 11.

17 Loku engi ku kulumayo, a ngi ku kulumi ngokweNkosi, kodwa ku nga ti ngokobuula, ngi naso lesisibindi sokuzibonga. 1 Kor. 7. 6, 12. isa. 9. 4.

18 Loku abaningi be bongwe ngokwe-nyama, ngi ya kuzibonga nami. Fil. 3. 3, 4.



## II. ABASEKORINTE, 12.

19 Ni ya bekezela kable kwabaiziula, loku ni hlakanipile. 1 Kor. 4. 10.

20 Ni ya bekezela uma umuntu e nenza izigqili, uma e ni dhla, uma e namuka, uma e zikukumeza, uma e ni pubuza. Gal. 2. 4. & 4. 9.

21 Ngi tyo ngokweisa, njengoku-ngati si butakataka. Kepa lapo abanye be nesibindi sokubonga, (ngi kulumisa okwesiula,) ngi naso nami. isa. 10. 10. Fil. 3. 4.

22 Ba ngabaHeberu na? nami. Ba ngabaIsraeli na? nami. Ba inzalo ka Abrahamu na? nami. Imis. 22. 3. Rome 11. 1.

23 Ba izikonzi zika Kristu na? (ngi kulumisa okwesiula,) mina kakulu; ngemisebenzi eminingi; nemivimbo e nge nakubalwa; nga ngi setilongweni kaningi; nga ngi sekufeni fatufuti. 1 Kor. 15. 10, 30. Imis. 9. 16. & 20. 23. isa. 6. 5.

24 Nga tyaywa abaJuda kahlanu imivimbo emashumi amane, ku yekwa mune; Dut 25. 3.

25 Katatu nga tyaywa ngezinduku; kanye nga kaudwa ngamatye; katatu nga felwa umkumbi; ubusuku bunye nemini nga ngi selwandhle; Imis. 14. 19. & 16. 22. & 27. 41.

26 Nga ngi sekuhambeni kaningi; nga ngi sezingozini zemifula, na sezingozini zabapangi, na sezingozini zaba kiti, na sezingozini zabezizwe, na sezingozini zemizi, na sezingozini zehlane, na sezingozini zolwandhle, na sezingozini zabalwane bamanga; Imis. 9. 23. & 13. 50. & 14. 5. & 17. 5. & 19. 23. & 21. 31.

27 Nga ngi sekukataleni na sekudinweni, na sekulindeni kaningi; na sekulambeni na sekomeni, na sekuzileni ukudhla kaningi, na semakazeni na sebhulbulwini. Imis. 20. 31. isa. 6. 5. 1 Kor. 4. 11.

28 Ngapandhle kwezinye izinto, ku kona loku oku ngi sindayo imihla nge-mihla, ukugcina amabandhla onke. Imis. 20. 18. Rome 1. 14.

29 Ubani o butakataka, ngi nge butakataka nami na? ubani o kubekiswayo, ngi nga tyi nami na. 1 Kor. 9. 22.

30 Uma nga ngi zibonga, ngi nga kubonga ngokobutakataka bami. isa. 12. 5, 9, 10.

31 uTixo uyise weNkosi yetu uJesu Kristu, o bongeka njalonjalo, u yazi a ngi qambi amanga. Rome 9. 5. isa. 1. 23.

32 eDamaseku induna ka Aretasi inkosi yalinda umuzi wamaDamaseku e funa ukungibamba: Imis. 9. 24, 25.

33 Kepa ngesikala sesibuko ngeliliswa ngeqoma odongeni, nga punyuka ezandhleni zake.

### ISAHLUKO 12.

**N**EMBALA ukuzibonga a ku ngi fanele: kona ngi ya kuza kuzo izibonakaliso nezambulo zeNkosi.

2 Ngi ya mazi umuntu e kuKristu, se ku iminyaka e ishumi nane (noma wa e semzimbeni, a ngazi, uTixo owaziyo), onjalo e tatyatwa e yiswa kwelesitatu izulu. isa. 5. 17. Imis. 22. 17.

3 Yebo, ngi ya mazi umuntu onjalo (noma wa e semzimbeni, noma wa e ngeko emzimbeni, a ngazi, uTixo awaziyo;)

4 Wa tatyatwa wa yiswa eParadisi, wezwa amazwi a nga kulunywayo, a nga fanele ukuba a shunyayelwe umuntu. Luk. 23. 43.

5 Onjalo ngi ya kumbabaza; kodwa okwami a ngi yi ku ku babaza ubutakataka bami kupela. isa. 11. 30.

6 Noma ngi tanda ukuzibonga, a ngi yi kuba isituta, ngokuba ngi ya kutyo iqiniso; kepa ngi ya yeka, funa abanye ba zindhle ba ti ngi mkulu ku na loku aba ku bonayo naba kuzwayo ngami. isa. 10. 6. & 11. 16.

7 Ukuba ngi nga kukunyezwa ngobuningi bezibonakaliso, nga nikwa iva enyameni, isigijimi sika Satani, ukuba si ngi mukule, ngi nga kukunyezwa. Hez. 23. 24. Jobe 2. 7.

8 Nga loko nga nxusa iNkosi katatu, ukuba li suke kimi. Mat. 26. 44.

9 Ya ti kimi, Umusa wami u kwanele wena; ngokuba amandhla ami a peleli-swa ngobutakataka. Njalo ngi ya kubonga kakulu, ngi tokoza ngobutakataka bami, ukuze amandhla ka Kristu a be pezu kwami. isa. 11. 30.

10 Ngaloko ngi ya tokoza ngobutakataka, na ngokutluka; na ngokuswela, na ngokuzingelwa, na ngezinsizi gaye uKristu; ngokuba nxa ngi butakataka ngi namandhla. Rome 5. 3. isa. 7. 4 & 13. 4.

11 Se ngi isituta; ngi qutywe inina. Nga ni ngi ncoma; a ngi mncane ngaluto ku nabapostoli abakulu, noma ngi nge nto. isa. 11. 1, 5, 16, 17. Gal. 2. 6-9. 1 Kor. 3. 7. & 15. 8, 9.

12 Impela, izibonakaliso zobupostoli

zenziwa pakati kwenu ngokubekezela konke, ngezibonakaliso na ngezimangaliso, na ngemisebenzi emikulu.

Rome 15. 19. 1 Kor. 9. 2. isa. 6. 4.

13 Nahlulwa amanye amabandhla ngani na? a siko ngokuba be ngi nga bi umtwalo kinina kupela na? ngi teteleli lokukona.

1 Kor. 1. 7. & 9. 12. isa. 11. 7, 9.

14 Bhekani, se ngi lungele ukuza kinina ngokwesitatu; a ngi sa yi kuba umtwalo kini; ngokuba ngi nga funi okwenu, kodwa ngi funa nina; a ku fanele abantwana ba bekele abazali, ku fanele abazali ba bekele abantwana.

isa. 13. 1. Imis. 20. 33. 1 Kor. 4. 14, 15.

& 10. 33.

15 Ngì nga qeda amandhla, ngi tokoza, yebo, ngi qedwe nya ngemipefumlo yenu; noma ngokunitanda kakulu ngi tandwa kaucinyane inina. 1 Tes. 2. 8.

John. 10. 11. isa. 1. 6. Kol. 1. 24.

2 Tim. 2. 10.

16 Kepa a ku be njalo, a ngi ni sindanga; kodwa, loku ngi hlakanipile, nga ni bamba ngobuqili.

isa. 11. 9.

17 Nga namuka into ini nga labo enga ba tuma kinina na?

isa. 7. 2.

18 Nga m nxusa uTitusi a ye kini, nga tuma kanye naye umzalwane, uTitusi wa ka wa namuka into na? a si hambanga ngamkondo munye na?

isa. 8. 6, 16, 18.

19 Futi, ni ti si ya zipendulela kinina na? Si ya kuluma pambi kuka Tixo kuKristu; kodwa senza konke ngokwakelwa kwenu, batandekayo.

isa. 5. 12. Rome 9. 1.

20 Ngì novalo, funa mhlaumbe, ekufikeni kwami, ngi ni fumane ni nge njengengi ku tandayo, nami ngi funyanwe inina ngi nga bi njengeni ku tandayo; funa ku be kona inkani, nomona, nola-ka, nokupikisana, nokuhleba, nokuceba, nokukukumala, nokuxokozela;

1 Kor. 4. 21.

21 Funa, ekufikeni kwami futi, uTixo wami a ngi jabise pakati kwenu, ngi kalele abaningi e se bonile, be nga pendukanga kuko ukungecola, nokuhlobonga, nobufebe, aba kwenzileyo.

isa. 2. 1, 4. & 13. 2. 1 Kor. 5. 1.

### ISAHLUKO 13.

**L**OKU okobutatu ukuza kwami kinina; ngemilomo yofakazi ababili

nabatatu, amazwi onke a ya kuqiniswa,

isa. 12. 14. Imib. 35. 30.

Dut. 19. 15. Mat. 18. 16. John. 8. 17.

2 Se ngi tyilo, ngi tyo na kaloku, ngi nge ko, njengokungati ngi kona okwesibili, ku labo e se bonile, na kubo bonke abanye, ukuti, nxa ngi fika, a ngi yi kubahaukela;

isa. 1. 23. & 10. 2. & 12. 21.

3 Loku ni funa isiboniso sika Kristu e shumayela ngami, e nge butakataka kinina, kepa u namandhla pakati kwenu,

Mat. 10. 20.

1 Kor. 5. 4. 1 Kor. 9. 2.

4 Noma wa betelwa ngokobutakataka, kepa u kona ngamandhla ka Tixo. Nati si butakataka ngaye, kepa si ya kupila kanye naye ngamandhla ka Tixo kinina.

Fil. 2. 7, 8. 1 Pet. 3. 18. Rome 6. 4.

5 Zihloleni, ni bone ukuba ni sekukolweni, ni zilinge. A nazi ini nina ukuti, uJesu Kristu u kinina, uma ni nga sibo abalahliweyo.

Rome 8. 10.

Gal. 4. 19. 1 Kor. 9. 27. & 11. 28.

6 Kodwa ngi yetemba ngi ti, ni ya kwazi ukuti, tina a si sibo abalahliweyo.

7 Ngì ya kuleka kuTixo, ukuba ni ngenzi okubi; a ngi tyo ukuba ku nga ti tina si yunyelwe, kodwa ukuba nenze okulungileyo nina, noma ku nga ti si ngabalahlliweyo tina.

8 A si namandhla okwenza into e pambene neqiniso, kodwa e vumelana neqiniso.

9 Si ya jabula nxa si butakataka tina, ni be namandhla nina; si ya kulekela na loku, ukupelela kwenu.

1 Kor. 4. 10. isa. 11. 30. 1 Tes. 3. 10.

10 Ngako ngi loba loku ngi ngè ko, ukuba, nxa ngi kona, ngi nga futeki njengamandhla iNkosi e ngi nike wona, okuba ngi nakele, ngi nga ni citi.

1 Kor. 4. 21. Titusi 1. 13. isa. 10. 8.

11 Kepa, salani kahle, bazalwane pe-lani, ni tokoze, ni benhliziyonye, ni be nokutula: kona uTixo wokutanda nokutula wo ba nani.

Rome 12. 16, 18. & 15. 33.

12 Bingelelanani ngokwanga okungewele.

Rome 16. 16.

13 Abangewele bonke ba ya konza kinina.

14 Umusa weNkosi uJesu Kristu, no-tando luka Tixo, nokuhlangana kuka Moya o ingewele a ku be nani nonke. Amen.

Rome 16. 24. Fil. 2. 1.

SEGALATIA.

ISAHLUKO 1.

**M**INA Paule, umpostoli, (o nga tunywanga abantu, ku nge nga mutntu, kodwa ngaye uJesu Kristu, noTixo uYise, owa m vusa kwabafileyo;) Imis. 2. 24. & 9. 6. & 22. 10, 15, 21. & 26. 16.

Titusi 1. 3.

2 Nabazalwane bonke aba nami, kuwo amabandhila a seGalatia; Fil. 4. 21.

3 A ku be kina umusa nokutula oku vela kuTixo uBaba, neNkosi yetu uJesu Kristu, Rome 1. 7. 1 Kor. 1. 3.

4 O wa zinikela ngezono zetu, ukuze a si kulule kulona lelizwe elibi ngokwentando ka Tixo uBaba wetu;

Mat. 20. 23. Rome 4. 25. isa. 2. 20.

John. 15. 19. & 17. 14. 1 John 5. 19.

5 A ku be kuye ubukosi ku ze ku be pakade. Amenii.

6 Ngi ya mangala ngokuba ni hlubuke masinyane kangaka kuyena owa ni bizela emuseni ka Kristu, ni ye kwelinye ivangeli; isa. 5. 8.

7 Eli nge silo elinye; kepa ba kona aba ni katazayo, be funa ukulona ivangeli lika Kristu. 2 Kor. 11. 4.

Imis. 15. 24. 2 Kor. 11. 13. isa. 5. 10.

8 Kodwa noma itina, noma ingelosi ya sezulwini, i ni shumayeza ivangeli, eli nge silo esi ni shumayeza lona, ma i lahlwe.

9 Njengaloku kade si tyo, ngi ti na manje, Uma e kona o ni shumayeza ivangeli, eli nge silo eni lamkeleyo, ka lahlwe.

Dut. 4. 2. & 12. 32. Amazwi 30. 6.

10 Ngi ya konga abantu manje na? a ngi m kongi uTixo kupela na? Ngi ya funa ukudelisa abantu na? Uma ngi sa delisa abantu, a ngi siyo inceku ka Kristu. 1 Sam. 24. 7. 1 John 3. 19.

1 Tes. 2. 4. Jak. 4. 4.

11 Kepa, bazalwane, ngi ya nazisa, ivangeli eli shunyayelwa imina, a si lo eli ngokwabantu; 1 Kor. 15. 1.

12 A ngi li piwanga abantu; a ngi li fundiswanga; nga li fundiswa ngokwambula kuka Jesu Kristu, kupela.

Ef. 3. 3.

13 Ni zwile ngokuhamba kwami kwa kuqala emidabukweni yabaJuda, ukuti,

nga li zingela ibandhla lika Tixo kakulu, nga li cita; Imis. 9. 1. & 22. 4. & 26. 11.

1 Tim. 1. 13. Imis. 8. 3.

14 Nga ba dhlula ngemidabuko yabaJuda abanngi aba itanga yami esizweni sa kiti, ngi kamelele kakulu emikubeni ya obaba. Imis. 22. 3. Fil. 3. 6.

Jer. 9. 14. Mat. 15. 2. Mark 7. 5.

15 Kepake mlila kwa ku kuhle kuTixo, o wa ngahlukanisela esiswini sika mame wa ngi biza ngomusa.

Isai. 49. 1, 5. Jer. 1. 5. Inis. 9. 15.

Rome. 1. 1.

16 E tanda ukubonakalisa iNdodana yake pakati kwami, ukuze ngi i shumayeze ezizweni, nga vuma kona lapo, a nga ze nga kuluma nenyama negazi;

2 Kor. 4. 6. Imis. 9. 15. Rome 11. 13.

Ef. 3. 8. Mat. 16. 17.

17 A ngi ku kupukelauga eJerusalema kubona aba be ngabapostoli pambili kwami; kodwa nga ya eArabia nga pinda nga buyela eDamaseku.

18 Kwa ti emva kweminyaka emitatu, nga kupukela eJerusalema ukubona uPetro, nga hlala kuye izinsuku ezi ishumi nesihlanu. Imis. 9. 26.

19 Kodwa a ngi bonanga omunye kubapostoli, uJakobe umnawe weNkosi kupela. 1 Kor. 9. 5.

20 Loku engi ni lobela kona, bhekanii, ngi ya qinisa pambi kuka Tixo, a ngi qambi amanga. Rome 9. 1.

21 Ngasemva kwaloku nga ya emazweni a seSiria, na seKilikia;

22 Nga hlala ngi ngaziwa ngobuso emabandhleni a seJudia a e kuKristu;

1 Tes. 2. 14.

23 Ba be se be zwile lokunje kodwa, ukuti, Lowo owa e kade e si zingela, u se shumayela ukukolwa, owa e kade e ku cita;

24 Ba m dumisa uTixo ngami.

ISAHLUKO 2.

**K**WA ti emva kweminyaka e ishumi nane, nga buya nga kupukela eJerusalema kanye noBarnaba; ngi ya noTitusi. Imis. 15. 2.

2 Kepa nga kupuka ngokwambulwa, nga ba landisa ivangeli, engi li shumayeze

yela ezizweni; nga ba landisa aba izikulu be bodwa, funa ngi gjijimele ize, nokuba mhlambe be ngi gjijimele ize.

Imis. 15. 12. 1 Tes. 3. 5.

3 Kodwa noTitusi owa e nami e ngumGrek, a ka qutywanga ukuba a so-kwe;

4 Kwa ku nje ngenxa yabazalwane bamanga aba ngeniswa ngasese, ukuba ba hlole ukukululeka kwetu, esi nako kuKristu Jesu, ba senze izigqili;

Imis. 15. 24. 2 Kor. 11. 20, 26.

isa. 4. 3, 9. & 5. 13.

5 Kepa a si ba gudhlukelanga nasikatyana ngokubalalela, ukuba iqiniso levangeli li me njalo kinina.

isa 3. 1.

6 Kepake aba tiwa abakulu, noma be ngobani, a ku luto kimina; uTixo a ka naki isimo somuntu; ngokuba aba tiwa abakulu a ba ngenzelanga luto;

isa. 6. 3. 2 Kor. 12. 11.

7 Kepa, lapo be bona ukuti ngi piwe umsebenzi wevangeli kwabangasokile, njengoPetro kwabasokileyo.

Imis. 13. 46. Rome 1. 5. & 11. 13. 1 Tim. 2. 7.

1 Tes. 2. 4.

8 (Ngokuba yena owenzisa kuPetro a be umpostoli wabasokileyo, wenzisa na kimina, ngi be umpostoli wabezizwe;)

Imis. 9. 15. & 13. 2. isa. 1. 16.

isa. 3. 5.

9 Se bazi umusa engi u piweyo, oJakobe, noKefasi, noJohane, aba tiwa ba izinsika, ba si nika mina noBarnaba isandhla sokunene sokuhlangana; ukuba si ye kwabezizwe, bona ba ye kwabasokileyo;

Mat. 16. 18. Rome 1. 5. & 12. 3, 6.

10 Ba funa loku kupela, ukuba si kumbule abampofu, iloku e be ngi qinise ukukwenza.

Imis. 24. 17. Rome 15. 25.

2 Kor. 8, & 9.

11 Kepa ekufikeni kuka Petro eAntioki, nga m pikisa ebusweni bake, ngokuba wa e soleka:

Imis. 15. 35.

12 Ngokuba, be nga ka fiki abatile, be vela kuJakobe, wa dhla kanye nabezizwe, kepa lapo se be fikile, wa monyuka, wahlukana nabo, esaba abokusoka.

Imis. 10. 28. & 11. 3.

13 Nabanye abaJuda ba zenzisa kanye naye, za za wa dukiswa noBarnaba ngokuzenzisa kwabo.

14 Kodwa, se ngi bonile be nga hambu ngokuti ntse, ngokweqiniso levangeli, nga ti kuPetro pambi kwabo bonke, Uma wena, o umJuda, u hamba ngokwabezizwe, u nga hambu ngokwaba-

Juda, u ba cindezelelani abezizwe, ukuba ba hambe ngokwabaJuda na?

1 Tim. 5. 20.

15 Tina si ngabaJuda ngokuvela; a sizo izoni zezizwe;

Imis. 15. 10, 11.

Mat. 9. 11.

16 Kepa, loku sazi umuntu a ka tetelelwa ngemisebenzi yomteto, kodwa ngokukulwa uJesu Kristu, sa kolwa uKristu Jesu nati, ukuba si tetelelwe ngokukulwa uKristu, si nga tetelelwa ngemisebenzi yomteto; ngokuba ngemisebenzi yomteto a ku yi kutetelelwa muntu.

Imis. 13. 38, 39. Rome 1. 17. & 3. 20, 22, 28.

& 8. 3. isa. 3. 11, 24. Izihl. 143. 2.

17 Uma si funyenwe si izoni, si sa funa ukutetelelwa ngoKristu, uKristu u isikonzi sokona na? Ai.

18 Uma ngi buya nake engi ku citileyo, ngi ya bonakalisa ukuti, ngi isoni.

19 Ngokuba ngawo umteto nga fa kuwo umteto, ukuba ngi pile kuTixo.

Rome 8. 2. & 6. 11, 14. & 7. 4, 6. 1 Tes. 5. 10.

Heb. 9. 14

20 Ngi betelwe kanye noKristu; a ngi sa pili, kepa uKristu u ya pila kimina; ukupila engi ku pilayo kaloku enyameni, ngi ku pila ngokwetemba oku ngayo iNdodana ka Tixo, eya ngi tanda, ya zikelela ngami.

Rome 6. 6. 2 Kor. 5. 15.

1 Pet. 4. 2. Ef. 5. 2.

21 A ngi u lahli umusa ka Tixo; ngokuba, uma ukutetelelwa ku ya ngomteto, uKristu wa fela ize.

isa. 3. 21. Heb. 7. 11. isa. 5. 4.

### ISAHLUKO 3.

**A**U baseGalatia abangaqondiyo! nedu swa ubani, akuze ni nga lalali iqiniso na? nina, a bekwa obala pambi kwamehlo enu uJesu Kristu, e betelwe pakati kwenu.

isa. 2. 14. & 5. 7.

2 Iloku kodwa engi tanda ukuzwa kinina ukuti, Na piwa uMoya ngemisebenzi yomteto, na u piwa ngokuzwa kokukulwa ini na?

Imis. 2. 38. & 8. 15.

& 10. 47. & 15. 8. Ef. 1. 13. Heb. 6. 4.

Rome 10. 17.

3 Ni ulekile kangaka na? Ni qalile ngokoMoya, se ni ya kugcina ngokwenyama na?

isa. 4. 9.

4 Ni hlupheke kangaka ngeze na? uma ku ngeze.

Heb. 10. 35, 36. 2 John. 8.

5 Yena o ni nikayo uMoya, nowenzayo imisebenzi emikulu pakati kwenu, wenza ngemisebenzi yomteto, wenza ngokuzwa kokukulwa ini na?

6 NjengoAbrahama wa kolwa uTixo, kwa tiwa ukulunga kuye. Gen. 15. 6.

Rome 4. 3, 9, 21, 22. Jak. 2. 23.

7 Yazini ngako ukuti, abokukulwa ba ngabantwana baka Abrahamama.

8 Umbalo u bona ngapambili ukuti uTixo u za kutetelela abezizwe ngokukulwa, wa li shumayela ivangeli ku-Abrahama, u ti, Izizwe zonke zi ya kubusiswa ngawe.

Rome 9. 17. Gen. 12. 3. & 18. 18. & 22. 18.

9 Njalo ke abokukulwa ba busiswa njengoAbrahama okolwayo.

10 Bonke abemisebenzi yomteto, ba sekulahlweni; ngokuba ku lotyiwe ukuti, Ba sekulahlweni bonke aba ngemi njalo kuko konke okulotywayo enewadini yomteto, ba kwenze.

Dut. 27. 26. Jer. 11. 3.

11 Kepake ku sobala ukuti, a ku ko muntu o tetelelwa ngomteto pambi kuka Tixo; ngokuba, Abatetelelwayo ba ya kupila ngokukulwa kwabo.

isa. 2. 16. Hab. 2. 4. Rome 1. 17.

Heb. 10. 38.

12 Kepa umteto a si ngokukulwa; kodwa, Umuntu ozenza lezizinto u ya kupila ngazo.

Rome 4. 4. & 10. 5. & 11. 6. Levi 18. 5.

13 uKristu wa si hlenga ekulahlweni oku ngomteto, ngokulahlwa ngenxa yetu; (ngokuba ku lotyiwe ukuti, Ba lahliwe bonke aba panyekwa emtini;)

2 Kor. 5. 21. isa. 4. 5. Dut. 21. 23.

14 Ukuba ukubusiswa kuka Abrahamama ku fike ezizweni ngaye uKristu Jesu; ukuba si piwe isitembiso sika Mo ya ngokukulwa.

Rome 4. 9, 16. Isai. 44. 3.

15 Bazalwane, ngi ya kuluma njengomuntu. Uma isivumelwano, noma esomuntu, si qiniswe, a ku ko muntu o si citayo, nowenezela uto kuso.

Heb. 9. 17.

16 Kepa izitembiso za menyezela ku-Abrahama na kuyo inzalo yake, ka tyo, Na kuzo izinzalo, njengokungati ziningi kodwa njengokungati inye, u ti, Na kuyo inzalo yako, e nguKristu.

Gen. 12. 3. 1 Kor. 12. 12.

17 Kepa ngi tyo loku ukuti Isivumelwano esa qiniswa uTixo, si qiniselwa uKristu umteto, owa menyezela emva kweminyaka emakulu amane namashumi amatatu, a u si citi sona, u ze u senze isitembiso si be ize.

Eks. 12. 40, 41.

18 Ngokuba uma ifa li kona ngomteto,

a li se ko ngesitembiso; kepa uTixo wa li nika uAbrahama ngesitembiso.

Rome 4. 14. & 8. 17.

19 Po, umteto u ini na? Wenezelwa ngenxa yezono, ya ze ya fika inzalo, e bi nikiwe isitembiso, u bu hllelwe ngezingelosi esandhlani somlamuli.

Rome 4. 15. 1 Tim 1. 9. Imis. 7. 53.

Eks. 20. 19, 21, 22. Dut. 5. 5, 22, 23, 27, 31.

John. 1. 17. Imis. 7. 38. 1 Tim. 2. 5.

20 Kepa umlamuli a siye wamunye; kodwa uTixo munye. Rome 3. 29, 30.

21 Poke, umteto u ya tiyana nezitembiso zika Tixo na? Ai; ngokuba uma u bu piwe umteto o nga pilisayo, ukulunga nga ku ba kona ngomteto isibili.

isa. 2. 21.

22 Kodwa umbalo u valele bonke ekoneni, ukuba abakolwayo ba piwe isitembiso esi ngokukulwa kuJesu Kristu.

Rome 3. 9. & 4. 16. & 11. 32.

23 Kepa ku nga ka fiki ukukulwa sa geinwa pansi komteto, si valwa ukukulwa o be ku za kwambulwa.

24 Njalo umteto u umhloli wetu ukusiyisa kuKristu, ukuba si tetelelwe ngokukulwa. Mat. 5. 17. isa. 2. 16.

25 Kepake se ku fikile ukukulwa a si se pansi komholi.

26 Ngokuba nina nonke ni ngabantwana bakaTixo ngokukulwa uKristu Jesu. John. 1. 12. Rome 8. 15. isa. 4. 5. 1 John. 3. 1, 2.

27 Ngokuba nina ena bapatzelwa kuKristu, nambete uKristu.

Rome 6. 3. & 13. 14.

28 Akuko umJuda nomGrek, akuko obotyiweyo nokululekileyo, akuko owesilisa nowesifazana; ngokuba ni munye kuKristu Jesu nonke.

1 Kor. 12. 13. isa. 5. 6. John. 10. 16. & 17. 21. Ef. 2. 14-16. & 4. 4.

29 Uma ni ngabaka Kristu, ni inzalo ka Abrahamama, izindhlalifa njengokutenjisiweyo. Gen. 21. 10, 12. Rome 9. 7. isa. 4. 7, 28. Ef. 3. 6.

#### ISAHLUKO 4.

**N**GI tyo kambe, indhlalifa, nxa i se ingane, a yahlukene ngaluto nenceku, noma i inkosi yako konke;

2 Kodwa i pansi kwabagcini nababonisi, ku ze ku fike isikati esi miswiweyo uyise.

3 Njalo nati, lapo si se abantwana, sa si botyiwe ngezifundiso zezwe;

isa. 2. 4. & 5. 1. Kol. 2. 8, 20.

4 Kepa lapo sa se si pelele isikati,

uTixo wa tuma iNdodana yake, i zelwe owesifazana, i zelwe pansi komteto,

Gen. 49. 10. Dan. 9. 24. Mark 1. 15.

John. 1. 14. Rome 1. 3. Fil. 2. 7.

Heb. 2. 14. ¶ Gen. 3. 15. Isai. 7. 14. Mika 5. 3. Mat. 20. 23. & 5. 17.

5 Ukuze i hlenge aba pansi komteto, ukuze si piwe ukuma kwabantwana.

Mat. 20. 28. isa. 3. 13, 26. 1 Pet. 1. 18, 19.

6 Loku ni ngamadodana, uTixo u-tumile uMoya weNdodana yake ezinhliziyweni zenu, e memeza, e ti, Abba, Baba! Rome 5. 5. & 8. 15.

7 Ngako ka u se iyoo inekuku u su indodana; uma u indodana, u indhlalifa ka Tixo ngoKristu.

Rome 8. 16, 17. isa. 3. 29.

8 Kodwa nga lesosikati lapa ni nga ka m azi uTixo, na konza aba nge sibo otixo ngokuvela. Ef. 2. 12. 1 Tes. 1. 9.

9 Kepa manje, loku se ni m azi uTixo, ngi tyo naziwa uTixo, ini ukuba ni buyele ezifundweni ezibutakataka ezi ize, eni tanda ukubotywa ngazo futi njenga sekuqaleni. 1 Kor. 8. 3.

isa. 3. 3. Kol. 2. 20. Rome 8. 3. Heb. 7. 18.

10 Ni ya geina izinsuku, nezinyanga, nezikati nemiinyaka na?

Rome 14. 5. Kol. 2. 16.

11 Ngi novalo ngani, ku nga ti mhlabambe ngi ni kutalele ngeze.

isa. 2. 2. & 5. 2, 4.

12 Bazalwane, ngi ya ni ncenga, ni be njengami, ngokuba ngi njengani; a ni ngonanga ngaluto. 2 Kor. 2. 5.

13 Yebo, ni yazi nga shumayela ivangeli kini kuqala, ngi butakataka emzimbeni. 1 Kor. 2. 3. isa. 1. 6.

14 Ukulingwa kwami okwa ku semzimbeni wami; a ni ku delanga, a ni kwalanga; kodwa na nganikela ngokungati ngi ingelosi ka Tixo, ngokungati ngi uKristu Jesu. 2 Sam. 19. 27.

Zek. 12. 8. Mal. 2. 7. Mat. 10. 40.

1 Tes. 2. 13.

15 Po, kupi ukubusiswa kwenu ena kuluma ngako? Ngi yaqinisa, uma be ku ngenzeka, be ni za kukipa amehlo enu, ni ngi nike wona.

16 Ngakoke se ngi isita kini, ngokuba ngi ni tyela iqiniso na? isa. 2. 5, 14.

17 Ba ya ni fisa, kepa a siko okuhle; kodwa ba tanda ukunivalela ngapandhle; ukuze ni ba fise.

Rome 10. 2. 2 Kor. 11. 2.

18 Kepake kuhle ukutisa ngokulungileyo njaloujalo, ku nga bi lapa ngi kona kini kodwa.

19 Bantwana bami, ngi nezinseka futi ngani a ze enziwe uKristu kinina.

1 Kor. 4. 15. Filemone 10. Jak. 1. 18.

20 Ngi ya tanda ukuba ngi be kona kini manje, ngi kulume elinye izwi, ngokuba ngi nokungabaza ngani.

21 Ngi tyeleni, nina eni tanda ukuba pansi komteto, a ni u zwa umteto na?

22 Ku lotyiwe ukuti, uAbrahama wa e namadodana amabili; enye i ngeyomfazi o isigqili enye i ngeyomfazi okululekileyo. Gen. 16. 15. & 21. 2.

23 Kepa yona eyesigqili ya zalwa ngokwenyama; kepa yona eyokululekileyo ya zalwa ngokwesitembiso. Rome 9. 7.

Gen. 18. 10, 14. & 21. 1. Heb. 11. 11.

24 Loku ku ukulinganisa; lababafazi ba izivumelwano ezibili, esinye sa sentabeni e iSinai, e nguHagari, esi zala izigqili. Dut. 33. 2.

25 Ngokuba lo uHagari u intaba e iSinai ya seArabia, e lingana neJerusalema eli se kona, li isigqili nabantwana bala.

26 Kepa iJerusalema eli pezulu li kululekile, eli ngumame wetu sonke.

Isai. 2. 2. Heb. 12. 22. Isam. 3. 12. & 21. 2, 10.

27 Ku lotyiwe ukuti, Jabula, wena nyumba o nga zaliyo; mpompoloza, u memeze wena o nga beletiyoy; ngokuba o isikwebu u nabantwana baningi ku naye o nendoda. Isai. 54. 1.

28 Nati bazalwane, si ngabantwana besitembiso, njengoIsaka. Imis. 3. 25.

Rome 9. 8. isa. 3. 29.

29 Kepake njenga ngalesosikati owa zalwa ngokwenyama wa m hlupa owa zalwa ngokoMoya, ku njalo na manje.

isa. 5. 11.

30 Kepa umbalo u tini na? u ti, Xotya isigqili nendodana yaso; ngokuba indodana yesigqili a i yi kudhla ifa kanye nendodana yokululekileyo. isa. 3. 8, 22.

Gen. 21. 10, 12. John. 8. 35.

31 Ku njalo, bazalwane, a si ngabantwana bezigqili, kodwa si ngabokululekileyo. isa. 5. 1, 13.

## ISIAHLUKO 5.

**N**NGAKO yimani ni qine ekukululekeni uKristu a si kulula kuko ni nga buyi ni botyelwe ejokweni lobugqili.

John. 8. 32. Rome 6. 18. 1 Pet. 2. 16.

Imis. 15. 10. isa. 2. 4.

2 Bhekani, mina Paule ngi ti kinina, uma ni soka, uKristu a ka yi ku ni siza ngaluto. Imis. 15. 1. & 16. 3.

3 Futi ngi ya qinisa ngi ti kubantu bonke abasokayo, ba necala lokuba ba gine umteto wonke. isa. 3. 10

4 Nahlukene noKristu, nina eni tetelelwa ngomteto; ni wile, ni nge ko emu-seni. Rome 9. 31, 32. isa. 2. 21. Heb. 12. 15.

5 Ngokuba tina ngaye uMoya si bhe-kela itemba lokutetelelwa ngokukulwa. Rome 8. 24, 25.

6 KuKristu Jesu ukusoka a ku sizi lu-to, nokungasoki; kodwa ukukulwa oku-sebenza ngotando. 1 Kor. 7. 19. isa. 3. 28. & 6. 15. Kol. 3. 11. 1 Tes. 1. 3. Jak. 2. 18, 20, 22.

7 Be ni gijima kahle; na kalinywa ubani, ukuba ni nga laleli iqiniso? 1 Kor. 9. 24. isa. 3. 1.

8 Lokukwetemba a ku ngaye o ni bi-zayo. isa. 1. 6.

9 Imvubelo e incozana i kukumalisa inhlama yonke. 1 Kor. 5. 6.

10 Ngi ya netemba ngeNkosi, ngi ti a ni yi kuqonda okunye; kepa o ni kata-zayo u ya kutweswa icala, noma e ngu-bani. 2 Kor. 2. 3. isa. 1. 7.

11 Kepa mina, bazalwane, uma ngi sa shumayela ukusoka, ngi sa zingelelwani na? kona ukuzondeka kwesipambano ku pelile. isa. 6. 12. isa. 4. 29. & 6. 17. 1 Kor. 1. 23.

12 Sengati nga se ba nquinywe aba ni nyakazisayo. Josh. 7. 25. 1 Kor. 5. 13. isa. 1. 8, 9. Imis. 15. 1, 2, 24.

13 Ngokuba, bazalwane, ni bizelwe ekukululekeni; kodwa a siko ukukululeka kokuba ituba enyameui; kepa konzanani ngotando. 1 Kor. 8. 9. & 9. 19. 1 Pet. 2. 16. 2 Pet. 2. 19. isa. 6. 2.

14 Umteto wonke u pelele ngezwi li-nye elokuti, Wo tanda owakelene naye njengokuba u zitandayo. Mat. 7. 12. & 22. 40. Levi 19. 18. Rome 13. 9.

15 Kepake uma ni lumana ni dhlane, xwayani ukuba ni nga qedani.

16 Ngi tyo, hanbani ngokuka Moya, kona a ni yi kwenza inkanuko yenyama. Rome 6. 12. & 8. 1, 4, 12. & 13. 14.

17 Ngokuba inyama i kanuka oku pam-bene noMoya, uMoya u kanuka oku pambene nenyama, lezi zi yemelana, ukuba ni ngenzi loku eni ku tandayo. Rome 7. 15. & 8. 6, 7, 19, 23.

18 Kodwa uma ni holwa uMoya, a ni se pansi komteto. Rome 8. 14.

19 Kepa imisebenzi yenyama i sobala, i le, ukupinga, ukuhlobonga, ubunuku, ubufebe; 1 Kor. 3. 3. Ef. 5. 3. Kol. 3. 5. Jak. 3. 14, 15.

20 Ukubonga izitombe, ukukunkula, inzondo, inkani, ukupikisana, ulaka, ukubanga, ukuxabana, ukwahlukana,

21 Umona, ukubulala, ukudakwa, no-kubensa, nako oku njengaloku; engi sandulela ukunityela ngako, njengoku-ba nga ni tyela pambili, ukuti abenza okunje, a ba yi kulidhla ifa lombuso ka Tixo. 1 Kor. 6. 9. Ef. 5. 5. Kol. 3. 6. Isam. 22. 15.

22 Kepa iziteio zika Moya zi ukuta-nda, ukujabula, ukutula, ukubekezela, ubunene, ukulunga, ukukulwa, John. 15. 2. Ef. 5. 9. Kol. 3. 12. Jak. 3. 17. Rome 15. 14. 1 Kor. 13. 7.

23 Ukuva, ukuzitiba; a ku ko umteto o pambene nako okunje. 1 Tim. 1. 9.

24 Kepa aba ka Kristu ba betele inyama kanye nokuhheka nezinkanuko. Rome 6. 6. isa. 2. 20. 1 Pet. 2. 11.

25 Uma si pila ngoMoya, a si hambe ngoMoya. Rome 8. 4, 5.

26 A si nga zikukumezi, si ze si pike-lane inkani, si felane umona. Fil. 2. 3.

### ISIAHLUKO 6.

**B**AZALWANE, uma umuntu ehlelwa icala, m lungiseni onjalo ngomoya wokuva, nina baka Moya; u xwaye wena, funa u lingwe nawe. Rome 15. 1. Heb. 12. 13. Jak. 5. 19. 1 Kor. 3. 1. & 4. 21. 2 Tim. 2. 25. 1 Kor. 7. 5. & 10. 12.

2 Ma ni twesane imitwalo yenu, ni feze umteto ka Kristu ngokwenze njalo. Rome 15. 1. isa. 5. 13. John. 13. 34. 1 John. 4. 21.

3 Ngokuba uma umuntu e zityo ukuti u into, e nge nto yaluto, u ya zikhliisa yena. Rome 12. 3. 1 Kor. 8. 2. isa. 2. 6.

4 A ku be ilowo a hlole umsebenzi wake, kona u ya kuba nokubonga ngokwake, ku nga bi ngokomunye. 1 Kor. 11. 28.

5 Ngokuba ilowo u ya kutwala owa-ke umtwalo.

6 Kepa yeua ofundiswa izwi a ka hlanganyele nomfundisayo ezintweni zo-uke ezilungileyo. Rome 15. 27. 1 Kor. 9. 14.

7 Ma ni nga kohliswa; uTixo a ka hlekwa; ngokuba loku a ku hlwaneyelayo umuntu, wo ku vuna. 1 Kor. 6. 9. Jobe 13. 9. Luk. 16. 25. 2 Kor. 9. 6.

8 O hlwanyelela inyama yake, u ya kuvuna ukufa ngenyama; kodwa o hlwanyelela uMoya, u ya kuvuna ukupila okupakade ngaye uMoya. Jobe 4. 8. Amazwi 11. 19. & 22. 8. Hos. 8. 7. & 10. 12. Rome 8. 13. Jak. 3. 18.

9 Kepa nxa senza okulungileyo ma si

nga katali; ngokuba si ya kuvuna ngesikati esifaneleyo, uma si nga dangali.

1 Kor. 15. 58. 2 Tes. 3. 13.

Heb. 10. 36. & 12. 3, 5. Isam. 2. 10.

10 Ngakoke nxa si netuba, a senze okulungileyo kubo bonke, kepa kakulu kwabendhlu yokukolwa.

John. 9. 4.

1 Tes. 5. 15. 1 Tim. 6. 18. Titusi 3. 8.

Ef. 2. 19. Heb. 3. 6.

11 Ni ya bona inewadi engaka engi ni lobebe yona ngesandhla sami.

12 Labo aba tandayo ukubonakalisa kahle enyameni, ba ni qube ukuba ni soke; kepa benza ukuba ba nga hlutywa ngenxa yesipambano sika Kristu, kupela.

isa. 2. 3, 14. & 5. 11. Fil. 3. 18.

13 Ngokuba nabasokayo aba u gcini umteto; kodwa ba tanda ukuba ni soke, ukuze ba bongwe ngenyama yenu.

14 Kodwa ma ku nga bi ukuba ngi bongwe, kupela ngesipambano seNkosi yetu uJesu Kristu, oku betelwe izwe kimi ngaye, nami kulo.

Fil. 3. 3, 7, 8.

Rome 6. 6.

15 Ngokuba kuKristu Jesu ukusoka a ku sizi luto, nokungasoki, kodwa ukuzalwa okutya kupela.

isa. 5. 6.

2 Kor. 5. 17.

16 Ukutula nomusa a ku be kubo bonke abahambayo nga lomteto, na kuba-Israeli baka Tixo.

Izihl. 125. 5.

Fil. 3. 16. Rome 9. 7, 8. Fil. 3. 3.

17 Ma ngi nga be ngi sa katazwa muntu; ngokuba ngi pete emzimbeni wami izimpau zeNkosi uJesu.

2 Kor. 1. 5. & 11. 23. isa. 5. 11.

18 Bazalwane, umusa weNkosi yetu uJesu Kristu ma u be nomoya wenu. Ameni.

2 Tim. 4. 22. Filemone 25.

## INCWADI KA PAULE UMPOSTOLI KWABA

# SEFESU.

### ISIAHLUKO 1.

**U**PAULE, umpostoli ka Jesu Kristu, ngentando ka Tixo, kwabangewele aba seEfesu, na kwabakolwayo.

1 Kor. 1. 1. Kol. 1. 2.

2 A ku be kinina umusa nokutula, oku vela kuTixo uBaba wetu, na seNkosini uJesu Kristu,

Gal. 1. 3.

3 A ka bongwe uTixo, uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, o busisile ngaye uKristu ngezibusiso zouke zika Moya eza sezulwini;

2 Kor. 1. 3. 1 Pet. 1. 3.

isa. 6. 12.

4 Loku wa si keta ngaye, izwe li nga ka bi ko, ukuba si be ngewele, si nga bi nacala pambi kwake, ekutandeni;

2 Tes. 2. 13. Jak. 2. 5. 1 Pet. 1. 20.

Luk. 1. 75. isa. 2. 10. & 5. 27. Kol. 1. 22.

1 Tes. 4. 7. Titusi 2. 12.

5 Wa si misa si be abantwana ngo-Jesu Kristu, njengokutanda kwenhli-ziyu yake,

Rome 8. 15, 29, 30.

2 Kor. 6. 18. 1 John 3. 1. Mat. 11. 26.

Luk. 12. 32. 1 Kor. 1. 21.

6 Ku ze ku bongwe ubukosi bomusa wake, a si pile wona ngesihle, ngaye otandiweyo.

Rome 3. 24. & 5. 15.

Mat. 3. 17. John. 3. 35. & 10. 17.

7 Esi nokuhlengwa ngaye ngegazi

202

lake, ukutetelelwa izono, njengokuvama komusa wake;

Imis. 20. 28. Kol. 1. 14.

Rome 3. 24. isa. 3. 8.

8 A u vame kitina ngako konke ukuhlakanipa nokuqonda;

9 E sazisa imfihlo yentando yake, njengokutanda kwake, a ku misayo yena ngokwake;

Rome 16. 25. isa. 3. 4, 9.

Kol. 1. 26. 2 Tim. 1. 9.

10 E ku misela ukuhllelwa kokupelela kwezikati, ukuba a zi hlauganisele ndawonye kuKristu izinto zouke, ezi sezulwini nezi semhlabeni; kuyena,

Gal. 4. 4. 1 Kor. 3. 22. isa. 3. 15.

Fil. 2. 9, 10. Kol. 1. 20.

11 Esabelwe ngaye, si misiwwe ngecebo lowenzayo konke njengokutanda kwenhli-ziyu yake;

Imis. 20. 32.

Rome 8. 17. Jak. 2. 5. 1 Pet. 1. 4.

Isai. 46. 10, 11.

12 Ukuba si be ukubongwa kobukosi bake, tina esandulela ukwetemba ku-Kristu;

Jak. 1. 18.

13 E se ni koliwe uye nani, qede ni zwe izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu; se ni koliwe uye nani, na bekwa upau ngaye uMoya o ingewele o tyiwoyo,

2 Kor. 1. 22. isa. 4. 30. & 6. 7.

14 O isibambiso, sefa letu, ku be uku-



hlengwa okuziweyo, ku ze ku bongwe  
ubukosi bake. 2 Kor. 1. 22. & 5. 5.

Luk. 21. 28. Rome 8. 23. isa. 4. 30.

Imis. 20. 28.

15 Ngakoke nami, ngi zwile ukwete-  
mba kwenu eNkosini uJesu, nokutanda  
kwenu, eni ba tanda ngako abangewe-  
le bonke; Kol. 1. 4. Filemone 5.

16 A ngi yeki ukubonga ngani, ngi ui  
pata ekukulekeni kwami; Rome 1. 9.

Fil. 1. 3. Kol. 1. 3.

17 Ukuba uTixo weNkosi yetu uJesu  
Kristu, uYise wobukosi, a ni pe unoya  
wokuhlakanipa nokwambula ngokuma-  
zisisa;

John. 20. 17. Kol. 1. 9.

18 A kanyiswe amehlo okuqonda kwe-  
nu, ni ze nazi ukuba li ini itemba loku-  
biza kwake, nokuba u ini umcebo wo-  
bukosi befa lake kwabangewele,

Imis. 26. 18. Kol. 2. 2.

19 Nokuba bu ini ubukulu obudhlula-  
yo bamandhla ake kitina esikolwayo,  
njengomsebenzi wamandhla ake ama-  
kulu. Kol. 1. 29. & 2. 12.

20 A wenzayo kuKristu, e m vusa  
kwabafileyo, wa m beka ngakwesoku-  
nene sake ezulwini, Imis. 2. 24.

Izihl. 110. 1. Kol. 3. 1.

21 Pezu kwayo yonke imibuso, nama-  
ndhla, nobukulu, nobukosi, namagama  
onke a kulunywayo, a ngi tyo ku leli-  
zwe lodwa, ngi tyo na kwelizayo;

Fil. 2. 9, 10. Kol. 2. 10. Rome 8. 33.

Kol. 1. 16. & 2. 15.

22 Wa ku hlela konke pansi kwezi-  
nyawo zake, wa m enza inhloko pezu  
kwako konke ebandhleni, Izihl. 8. 6.

Mat. 23. 18. 1 Kor. 15. 27. Heb. 2. 8.

isa. 4. 15.

23 Eli umzimba wake, ukupelela ko-  
pelelisayo izinto zonke ezintweni zo-  
nke.

1 Kor. 12. 6, 12. 27. isa. 4. 10, 12. & 5. 23, 30.

Kol. 2. 9. & 3. 11.

## ISIAHLUKO 2.

**U**NI vusile nani, e be ni file ezipa-  
mbukweni na sezonweni; Kol. 2. 13.

isa. 4. 18.

2 Ena ni hamba kuzo, njengabantu ba  
lelizwe, njengenkosi yamandhla omka-  
ti, umoya o sa sebenza kubantwana bo-  
kungalaleli; 1 Kor. 6. 11. isa. 4. 22.

1 John. 5. 19.

3 Esa si hamba nabo tina sonke eku-  
kanukeni kwenyama yetu, senza inta-  
ndo yenyama neyenhliziyo, sa si ngaba-

ntwana bolaka njengabanye ngokuvela  
kwetu; Gal. 5. 16. Izihl. 51. 5.

Rome 5. 12, 14.

4 Kepa uTixo, e vama umusa, ngota-  
ndo lwake a si tanda ngalo, Rome 10. 12.

isa. 1. 7.

5 Se si file ezonweni, wa senza si  
pile kanye noKristu (ni sindiswa ngo-  
musa;)

Rome 5. 6, 8, 10. Imis. 15. 11. Titusi 3. 5.

Rome 6. 4, 5.

6 Wa si vusa kanye, wa si hlalisa nda-  
wonye naye ngokwasezulwini ngoKri-  
stu Jesu; isa. 1. 20.

7 Ukuba a bonakalise ezikatini eziza-  
yo umcebo omkulu womusa wake ngo-  
bubele kitina ngaye uKristu Jesu.

Titusi 3. 4.

8 Ngokuba ni siudiswa ngomusa, ngo-  
kukolwa kwenu; loku a ku yi ngokwe-  
nu; ni ku piwa uTixo; Rome 3. 24.

& 4. 16. Mat. 16. 17. John. 6. 44, 65.

9 A ku yi na ngemisebenzi, ukuba a  
nga zincoma muutu. Rome 3. 20. & 4. 2.

& 9. 11. & 11. 6. 1 Kor. 1. 29-31.

10 Ngokuba si ngumsebenzi wake, se-  
nzela imisebenzi elungileyo ngaye  
uKristu Jesu, uTixo a si misela yona  
kuqala, ukuba si hambe ngaye.

Dut. 32. 6. Izihl. 100. 3. Isai. 29. 23.

& 44. 21. isa. 1. 4.

11 Ngako kumbulani ukuti, nina, e  
be ni ngabezizwe kuqala, aba bizwa ngo-  
kuti, Abokungasoki, ilabo aba tiwa Abo-  
kusoka, oku umsebenzi wezandhla enya-  
meni; 1 Kor. 12. 2.

isa. 5. 8. Rome 2. 28. Kol. 2. 11.

12 Ukuti, nga lesosikati, na ni nge na-  
ye uKristu, na ni ngabezizwe, ezi nga-  
pandhle kwesizwe sika Israeli, na ni  
imihambima ezivumelwaneni zezite-  
mbiso, ni nge natemba, ni nge naTixo  
ezweni; isa. 4. 18. Kol. 1. 21.

Rome 9. 4. 1 Tes. 4. 5, 13. Gal. 4. 8.

13 Kepa kaloku, ngoKristu Jesu nina,  
ena ni kude, se ni sondele ngegazi lika  
Kristu. Gal. 3. 28. Imis. 2. 39.

14 Ngokuba yena u ngukutula kwetu,  
owenza okubili ku be kunye, wa cita  
utango olwahlukanisayo; Mika 5. 5.

John. 10. 16. & 16. 33. Kol. 1. 20. Gal. 3. 28.

15 Ngomzimba wake wenza lu be ize  
utyaba, ukuti, umteto wemiyo eme-  
nyezelweyo, ukuba a benze labobabili  
ba be umuntu munye omutya kuye,  
enza ukutula;

Kol. 1. 22. & 2. 14. Gal. 6. 15. isa. 4. 24.

16 Ngokuba a ba hlanganise bobabili

ba be umzimba munye kuTixo ngesipambano, e qede utyaba ngaso.

Kol. 1. 20-22. Rome 6. 6. & 8. 3.

17 Weza wa shumayela ukutula kini-na, e be ni kude, na kwaba seduze.

Isai. 57. 19. Zek. 9. 10. Izihl. 148. 14.  
Rome 5. 1.

18 Ngokuba ngaye si nokusondela sobabili ngoMoya munye kuYise.

Rome 5. 2. isa. 3. 12. Heb. 10. 19, 20.  
1 Pet. 3. 18. 1 Kor. 12. 13. isa. 4. 4.

19 Ngako a ni se ibo abafu nezihambi; ni ngabakelene nabangewe, abendhlu kaTixo;

Heb. 12. 22, 23. Gal. 6. 10.

20 Nakiwe pèzu kwesisekelo sabapostoli nabaprofeti, uJesu Kristu uqobo lwake e itye eli isisekelo egumbini;

isa. 4. 12. Mat. 16. 18. Gal. 2. 9.

Isam. 21. 14. 1 Kor. 3. 9, 10. & 12. 28.

Izihl. 118. 22. Isai 23. 16. Mat. 21. 42.

21 Oku hlanganiselwa kuye konke ukwakiwa ku kule ku be itempeli eli ingewe eNkosini.

isa. 4. 16. 1 Kor. 3. 17.

22 Enakiwe ndawonye kuyo nani, ni be indhlu ka Tixo ngoMoya.

1 Pet. 2. 5.

### ISAHLUKO 3.

**N**GAKO, mina Paule, isibotywa sika Kristu Jesu ngenxa yenu, nina bezizwe;

Imis. 21. 33. & 28. 17.

isa. 4. 1. & 6. 20. 2 Tim. 1. 8. & 2. 9.

Filemone 1. 9. Kol. 1. 24. 2 Tim. 2. 10.

2 Uma se ni zwile ngokuhlulwa komusa ka Tixo engi u piweyo ngani;

Rome 1. 6. isa. 4. 7. Kol. 1. 25.

Imis. 9. 15. & 13. 2.

3 Ukuti ngokwambula wa ngazisa imfihlo, njengaloko nga ke nga loba incozana.

Imis. 22, 17. & 26. 17, 18.

Gal. 1. 12. Rome 16. 25. Kol. 1. 26, 27.

isa. 1. 9, 10. & 6. 19.

4 Nga loko, nxa ni funda, ni nga bona ukuqonda kwami emfihlweni ka Kristu,

1 Kor. 4. 1.

5 E bi nga kaziwa abantwana babantu kwezinye izizukulwane, njengaloko se yambulwa manje kubapostoli abangewe na kubaprofeti, ngoMoya;

Rome 16. 25. isa. 2. 20.

6 Yokuti, abezizwe ba ya kwabelwa ifa nati, ba be umziuba munye nati, ba hlanganyele isitembiso sake, kuye uKristu, ngevangeli;

Gal. 3. 14, 29. isa. 2. 14-16.

7 E ngenziwe isikonzi salo ngesipiwo

somusa ka Tixo, engi u piwe ngokusebenzisa kwamandhla ake.

Kol. 1. 23. 25, 29. Rome 1. 5. & 15. 16, 18.  
isa. 1. 19.

8 Mina, engi muncinyane kakulu kubo bonke abangewe, ngi piwe lomusa, wokuba ngi shumaye kwabezizwe umcebo ka Kristu o nge nakwaziwa;

1 Kor. 15. 9. 1 Tim. 1. 15. isa. 1. 7.

Kol. 1. 27.

9 Ngi ba bonise abantu bonke ukuba ku ini ukuhlulwa kwemfihlo e bi fihliwe ngasendulo kuTixo, owenza izinto zonke: isa. 1. 9. Rome 16. 25. Kol. 1. 26.

John. 1. 3. Heb. 1. 2.

10 Ukuze ababusi namakosi a sezulwini aziswe ngebandhla ukuhlakanipa okupindapindiweyo kuka Tixo,

1 Pet. 1. 12. isa. 1. 21. 1 Kor. 2. 7.

11 Ngokwecebo lake la pakade, a lenzayo ngoKristu Jesu iNkosi yetu.

isa. 1. 9.

12 Esi nesibindi ngaye nokusondela ngokwetemba ngokukolwa kuye.

isa. 2. 18. Heb. 4. 16.

13 Ngako ngi ya ncenga ukuba ni nga pelamandhla ngokuhluka kwami ngenxa yenu, oku udumo lwenu.

Imis. 14. 22. Fil. 1. 14. 2 Kor. 1. 6.

14 Ngako loku ngi guqa ngamadolo kuYise weNkosi yetu uJesu Kristu,

15 Oku bizwa ngegama lake indhlu yonke ya sezulwini na semhlabeni,

isa. 1. 10. Fil. 2. 9.

16 Ukuze a ni pe ngomcebo wobokosi bake ukuqiniseka ngamandhla ngoMoya wake enhliziyweni; isa. 1. 7. & 6. 10.

Fil. 4. 19. Kol. 1. 11, 27. Rome 7. 22.

2 Kor. 4. 16.

17 Ukuze uKristu a hlale ezinhliziyweni zenu ngokukolwa; ukuze, loku ni gxilile ni sekelwe otandweni.

John. 14. 23. isa. 2. 22. Kol. 1. 23. & 2. 7.

18 Ni be nokuzwisisa kanye nabangewe bonke oku ubanzi, nobude, nokujula, nokupakama;

isa. 1. 18

Rome 10. 3, 11, 12.

19 Nazi utando luka Kristu olu dhlula ukwazi; ukuze ni pelele ku ze ku be ukupelela konke kuka Tixo. John. 1. 16.

isa. 1. 23. Kol. 2. 10.

20 Kuyena o namandhla okwenza okukulu kakulu ku nako konke esi ku celayo nesi ku zindhlayo, ngokwamandhla a sebenzayo kitina, Rome 16. 25. Jude 24.

21 A ku be kuye ubokosi ehlangaweni ngoKristu Jesu ezizukulwaneni, na nini na nini. Amen. Rome 11. 36.

ISAHLUKO 4.

**N** GALOKU, mina engi isibotywa nge-  
Nkosi, ngi ya ni neenga ukuba ni  
hambe ngokufanele ukubizwa ena bi-  
zwa ngako, isa. 3. 1. Fil. 1. 27. Kol. 1. 10.

1 Tes. 2. 12.

2 Ni be nokutobeka konke, nobunene,  
ni be nokubeka kade, ni bekezelane ngo-  
tando; Imis. 20. 19. Gal. 5. 22, 23. Kol. 3. 12.

3 Ni kutale ukugcina ukuhlangana  
oku ngoMoya ngesibopo sokutula.

Kol. 3. 14.

4 Ku kona umzimba munye noMoya  
munye, njengokuba nani ni bizelwe ete-  
mbeni linye lokubizwa kwenu; isa. 2. 16.

1 Kor. 12. 4, 11-13.

5 iNkosi inye, nokukolwa kunye, no-  
kubapatzwa kunye; 1 Kor. 1. 13. & 12. 5.  
2 Kor. 11. 4. Jude 3.

6 uTixo munye, uYise wabo bonke, o  
pezu kwabo bonke, o kubo bonke, o pa-  
kati kwenu nonke. 1 Kor. 8. 6.

Rome 11. 36.

7 Kepa ilowo wa kiti u piwe umusa  
njengokulinganiswa kokupa kuka Kri-  
stu. Rome 12. 3.

8 Ngako ku tyiwo, E senyukele pezu-  
lu, wa tumba abatunjiweyo, wa babelala  
abantu. Izihl. 68. 18. Abahl. 5. 12. Kol. 2. 15.

9 Kepa loku ukuti, wenyuka, ku tini  
na? uma ku nge siko ukuti, wa ke we-  
hlele pansu emhlabeni? John. 3. 13.

10 Owehlayo uyena owenyukela pezu  
kwamazulu onke, ukuze a gewalise ko-  
nke. Imis. 1. 9, 11. & 2. 23. 1 Tim. 3. 16.

Heb. 4. 14. & 7. 26.

11 Abanye wa benza abapostoli, naba-  
nye abaprofeti, nabanye abevangeli, naba-  
nye abalusi nabafundisi; isa. 2. 20.

2 Tim. 4. 5. Izihl. 20. 28. & 21. 8.

12 Ukuze ba pelele abangewe, ngo-  
msebenzi wokukonza, ngokwakiwa ko-  
mzimba ka Kristu; 1 Kor. 14. 26. isa. 1. 23.

13 Si ze si hlangane sonke ngokuko-  
lwa na ngokuyazi iNodana ka Tixo,  
emuntwini opeleleyo esilinganisiwени  
sobukulu obupeleleyo buka Kristu;

Kol. 2. 2. 1 Kor. 14. 20. Kol. 1. 28.

14 Ukuze si nga bi si sa ba izingane,  
si shukunyiswa, si zuliswa imimoya yo-  
nke yokufundisa, ngobuqili babantu,  
ngokuhlakanipa ku be icebo lenkohliso;

Isai. 28. 9. Heb. 13. 9. Mat. 11. 7.

Rome 16. 13.

15 Kodwa si shumayela iqiniso ngota-  
ndo si kulele kuye ngako konke, kuye-  
na o inhloko uKristu; isa. 1. 22. & 2. 21.

Kol. 1. 18.

16 Oku ngaye umzimba wonke, u hla-  
ngene, u namatele ngamalungu onke a  
elekeleneyo ngomsebenzi ezi linganise-  
lwa wona izindawo zonke, u kule wona  
umzimba u ze wakiwe wona otandweni.

Kol. 2. 19.

17 Ngi tyo loku, ngi qinisa eNkosini,  
ngi ti, ni nga be ni sa hamba ngokwa-  
banye bezizwe ebuzeni bezinhliziyo za-  
bo, isa. 2. 2. Kol. 3. 7. 1 Pet. 4. 3.

Rome 1. 21.

18 Be mnyama ngokungaqondi, bedu-  
kile ekubambeni kuka Tixo ngokunga-  
zi kwabo, ngobulukuni bezinhliziyo za-  
bo; Imis. 26. 18. isa. 2. 12. 1 Tes. 4. 5.

19 Be nge nakuzwa, ba ziuikele ezi-  
nkanukweni ukwenza amanyala onke  
ngokunxanela. 1 Tim. 4. 2. Rome 1. 24, 26.

20 Kepa nina a ni m fundanga uKristu  
kanjalo;

21 Uma pela ni m zwile, na fundiswa  
uye, njengokuba iqiniso li kuJesu;

isa. 1. 13.

22 Ukuba nambule umuntu omdala  
wokuhamba okudhlulileyo, owonakele  
ngokunqwenela kwenkohliso;

Kol. 2. 11. & 3. 8, 9. Heb. 12. 1. 1 Pet. 2. 1.  
& 4. 3. isa. 2. 2, 3. Rome 6. 6.

23 Ni be abatya ngomoya wokuqonda  
kwenu; Rome 12. 2. Kol. 3. 10.

24 Nambate umuntu omutya, owenzi-  
we a m fuze uTixo ngokuluwa na ngo-  
bungwele besiminiya. Rome 6. 4.

Kol. 3. 10. isa. 2. 10. & 6. 11.

25 Ngako yekani okwamanga a ku be  
ilowo wa kini a kulume iqiniso nowa-  
kelene naye; loku si ngamalungu ele-  
keleneyo. Zek. 8. 16.

Kol. 3. 9. Rome 12. 5.

26 Tukutelani, ni ngoni; li nga tyoni  
ilanga nolaka lwenu; Izihl. 4. 4. & 37. 8.

27 Ni nga m niki uSatani indawo.

Jak. 4. 7. 1 Pet. 5. 9.

28 Owebayo ka nga be e seba; kodwa  
a suke a kutale; e sebenza okulungileyo  
ngezandhla zake, ukuba a be nokumupa  
oswelayo. Imis. 20. 35. 1 Tes. 4. 11.

2 Tes. 3. 11, 12. Luk. 3. 11.

29 A ku nga pumi emlonjeni wenu  
izwi elingcolileyo nalinye, kodwa a ku  
be ilelo eli lungele ukwaka okufaneleyo  
ukuba li veze umusa kubo abezwayo.

Mat. 12. 36. isa. 5. 4. Kol. 3. 8, 16. & 4. 6.

1 Tes. 5. 11.

30 Ni nga m dabukisi uMoya o  
ingewele ka Tixo, ena bekwa upau nga-  
ye, ku ze ku be usuku lokukululwa.

Isai. 7. 13. & 63. 10. 1 Tes. 5. 19. isa. 1. 13.

31 A ku kitywe kini konke okubabayo, nolaka, nokutukutela nonsindo, nokutuka, kanye namagqubu onke;

Kol. 3. 8. Titusi 3. 2. Jak. 4. 11.

1 Pet. 2. 1.

32 Ni be mnele omunye komunye, ni haukelaue, ni tetelelane njengokuba noTixo wa ni tetelela ngaye uKristu.

2 Kor. 2. 10. Kol. 3. 12. 13. Mat. 6. 14.

ISAHLUKO 5.

**N**GAKO m lingiseni uTixo njengabantwana abataudwayo;

Mat. 5. 45, 48. Luk. 6. 36. isa. 4. 32.

2 Ni hambé ngokutanda njengokuba uKristu wa si tanda, wa zinikela ngenxa yetu, a be umnikelo nomhlatyelo ka Tixo, a be ipunga elimnandi.

John. 13. 34. & 15. 12. Heb. 7. 27.

& 9. 14, 26. & 10. 10, 12. || Gen. 8. 21.

Levi 1. 9. 2 Kor. 2. 15.

3 Kodwa ubufebe, namanyala onke, nokunxanela a ku nga kulunywa nakanye pakati kwenu, njengokufanele abangewe; Kol. 3. 5. 1 Kor. 5. 1. & 6. 18.

4 Neusila, nokukulumize, nokulaula, oku nga fanele; a ku be ukubonga kodwa. isa. 4. 29. Rome 1. 28.

5 Ngokuba ni ya kwazi loku, ukuti, a ku ko o isifebe, nongcolileyo, nofisayo o konza izitombe, o ya kulidhla ifa embusweni ka Kristu noTixo.

1 Kor. 6. 9. Gal. 5. 21. Kol. 3. 5.

6 Ni nga kohliswa muntu ngamazwi a ize, ngokuba nga lezozinto ulaka luka Tixo lwehlela ebantwaneni abangalaleliyo.

Jer. 29. 8. Mat. 24. 4.

Kol. 2. 4. & 3. 6. Rome 1. 18. isa. 2. 2.

7 Ngako ni nga hlangani nabo.

8 Kade be ni ubumnyama, kepa kaloku ni ukukanya eNkosini; hambisani okwabantwana abakanyisiweyo;

Isai. 9. 2. Mat. 4. 16. Imis. 26. 18.

isa. 2. 11, 12. Titusi 3. 3. John. 8. 12. & 12. 46. 2 Kor. 4. 6. Luk. 16. 8. John. 12. 36.

9 (Ngokuba izitelo zika Moya zi ubuhle bouke, nokulunga, neqinišo lonke;)

Gal. 5. 22.

10 Ni qinise okutandekayo eNkosini.

Rome 12. 2. Fil. 1. 10. 1 Tes. 5. 21.

11 Ni nga hlanganyeli nabantu imisebenzi yobumnyama, e nge nazitelo, kepa ni i dalule.

1 Kor. 5. 9, 11.

Rome 6. 21. & 13. 12. Gal. 6. 8.

Levi 19. 17. 1 Tim. 5. 20.

12 Ngokuba ku amahloni nokukuluma nga lezozinto ezenziwa ibo esita.

Rome 1. 26.

13 Kepa konke oku dalulwayo ku bonakaliswa ukukanya; ngokuba konke okubonakalisayo ku ukukanya.

John. 3. 20, 21. Heb. 4. 13.

14 Ngako ku tyiwo ukuti, Papama, wena olelelo, vuka kwabafileyo, uKristu u ya kukukanyisa.

Isai. 60. 1.

Rome 13. 11. John. 5. 25. isa. 2. 5.

15 Bhekani, ni hambé ngokuqonda, ni nga hambé njengeziula, kepa njengabahlakanipileyo,

Kol. 4. 5.

16 Ni tengisise isikati, ngokuba izinsuku zimbi. Kol. 4. 5. Ums. 11. 2. & 12. 1. isa 6. 13.

17 Ngakoke a ni nga bi iziula ni be abakuqondayo, oku intando yeNkosi.

Kol. 4. 5. Rome. 12. 2. 1 Tes. 4. 3.

18 Ni nga dakwa iwaini, li banga umsindo; kepa a ni gwaliswe uMoya; Amazwi 20. 1. & 23. 20, 30.

19 Ni vumelane ngezihlabelelo, namahubo, namagama omoya, ni hlabelele, ni vume eziuhliziyweni zenu eNkosini,

Imis. 16. 25. 1 Kor. 14. 26. Kol. 3. 16.

Jak. 5. 13.

20 Ni bongé izinto zonke ngezikati zonke kuTixo uYise, ngegama leNkosi uJesu Kristu;

Izihl. 34. 1. Kol. 3. 17.

1 Tes. 5. 18. 2 Tes. 1. 3. Heb. 13. 15.

1 Pet. 2. 5. & 4. 11.

21 Ni zihlele, omunye pansi komunye, ngokumesaba uTixo.

Fil. 2. 3.

1 Pet. 5. 5.

22 Bafazi, zihleleni pansi kwamadoda enu, kungati pansi kweNkosi.

Gen. 3. 16. Kol. 3. 18. isa. 6. 5.

23 Ngokuba indoda i inhloko yomfazi, njengokuba uKristu u inhloko yebandhla; yena u umSindisi womzimba.

1 Kor. 11. 3. isa. 1. 22, 23. Kol. 1. 18.

24 Kepa njengokuba ibandhla li zihlele pansi kuka Kristu, ku njalo nabafazi a ba zihlele pansu kwamadoda abo ezintweni zonke.

Kol. 3. 20, 22.

Titusi 2. 9.

25 Madoda, tandani omkenu, njengokuba uKristu wa li tanda ibandhla, wa zinikela lona;

Kol. 3. 19. 1 Pet. 3. 7.

Imis. 20. 28.

26 Ukuba a li hlambulule, a li hlanze ngokuligeza emazinzi ngalo izwi,

John. 3. 5. & 15. 3. & 17. 17. Titusi 3. 5.

1 John. 5. 6.

27 Ukuba a zivezele lona li ibandhla lobukosi, li nge nabala, li nge nambimbi, li nge nauto enjalo; li be ngewele li nge nacala.

2 Kor. 11. 2. Kol. 1. 22.

Isihl. 4. 7. isa. 1. 4.

28 Amadoda nga e ba tanda omkawo njengemizimba yawo. O tauda umkake u ya zitanda.

29 A ku ko muntu o ke wa zonda inyama yake; u ya yondhla, a i pate kahle; njengeNkosi yenzela ibandhla:

30 Si ngamalungu omzimba wayo, si ngokwenyama yayo, si ngokwamata-mbo ayo. Gen. 2. 23. Rome 12. 5.

1 Kor. 6. 15. & 12. 27.

31 Ngaloko umuntu u ya kushiya uyise nonina, a bambelele kumkake, ba be inyamanye bobabili. Gen. 2. 24.

Mat. 19. 5. 1 Kor. 6. 16.

32 Loku ku imfihlakalo enkulu: kepa ngi ya kuluma ugoKristu uebandhla.

33 A ku be ilowo wa kini a taude umkake njengokuba e zitanda; a ti umfazi a hlonipe indoda yake.

Kol. 3. 19. 1 Pet. 3. 6.

### ISAHLUKO 6.

**B**ANTWANA, lalalani abazali benu eNkosiini; ngokuba loku ku lungile. Kol. 3. 20.

2 Hlonipa uyihlo nonyoko; loku ku umyalo wokuqala o nesitembiso, Eks. 20. 12. Dut. 5. 16. & 27. 16. Hez. 22. 7.

Mat. 15. 4. Mark 7. 10

3 Ukuba ku be kuhle kuwe; u hlale kade emhlabeni.

4 Nani, boyise; ni nga tukutlisi abantwana benu; ni bondhle ngokulungisa na ngokuyala kweNkosi. Kol. 3. 21.

Gen. 18. 19. Izihl. 78. 4.

5 Zisebenzi, lalalani amakosi enu ngokwenyama, nesabe ni tutumele ngenhli-ziyo i benye, kungati ku kuKristu;

Kol. 3. 22. 1 Tim. 6. 1. Titusi 2. 9. Fil. 2. 12.

1 Kron. 29. 17.

6 Ni nga konzi ngobuso, njengabato-kozisa abantu, kodwa njengezisebenzi zika Kristu, nenza intando ka Tixo ngenhli-ziyo;

Kol. 3. 22, 23.

7 Ni konze ngokutanda, kungati ni konza iNkosi, ni nga konzi abantu;

8 Nazi ukuti, konke okuhle, ilowo a kwenzayo, u ya kupiwa kona iNkosi, noma e isigqili, noma e ngokululekileyo.

Kol. 3. 11, 24.

9 Nani, makosi, yenzani njalo kuzo-na, ni yeke ukuzisongela; nazi ukuti, neyenu iNkosi i kona ezulwini; a ku ko kuyo ukuketa abantu. Kol. 4. 1.

Levi 25. 43. John. 13. 13. Kol. 3. 25.

10 Njalo, bazalwane hani, qinisani eNkosini, na semaudhleni anakulu ayo; isa. 1. 19. & 3. 16.

11 Hlomani izikali zouke zika Tixo, ukuba ni be namandhla okumelana nobuqili buka Satani. Rome 13. 12. 1 Tes. 5. 8.

12 A si bambene nyenama negazi, si bambene nemibuso, namandhla, ngi tyo anakosi ezwe a busayo ebumnyameni lobu, nomoya ababi pezulu. Mat. 16. 17.

Rome 8. 38. isa. 1. 21, 22. Luk. 22. 53.

Kol. 1. 13. & 2. 15.

13 Ngakeke hlomani izikali zonke zika Tixo, ni ze ni be namandhla okuma osukwini olubi, ni ti se ni kwahlulile konke ni me. isa. 5. 16.

14 Yimani ngako, izinkalo zenu zi botyiwe ngeqiniso, ni hlomile esifubeni isigcino sokulunga; 1 Pet. 1. 13.

Isai. 59. 17. 1 Tes. 5. 8.

15 Izinyawo zenu zi botyiwe ngokuhlelwa kwevangeli lokutula; Isai. 52. 7. Rome 10. 15.

16 Ku nako konke loku, ni hlome isihlangu sokukulwa, eni ya kuba namandhla okucima ngaso yonke imikonto etyisayo yomubi; 1 John. 5. 4.

17 Ni samkele isigqoko sokusitudisa, nenkemba ka Moya, e izwi lika Tixo; Heb. 4. 12. Isam. 1. 16.

18 Ni kuleke ngezikati zonke kuye uMoya ngako konke ukukuleka nokunxusa, ni linde loku ngesineke sonke nokunxusela abangwele bonke.

Luk. 18. 1. Kol. 4. 2. Mark 13. 33. isa. 1. 16.

Fil. 1. 4.

19 Ni ngi nxusele nami, ukuba ngi piwe amandhla okushumayela, ngi vule umlomo wami ngi ze ngi yazise ngesibindi imfihlo yevangeli, Kol. 4. 3.

2 Tes. 3. 1. 2 Kor. 3. 12.

20 Engi isituywa esibotyiweyo ngalo, ukuba ngi li shumayeke ngesibindi, njengokuba ku fanele ngi shumayeke.

2 Kor. 5. 20. Imis. 28. 20, 31. isa. 3. 1.

Fil. 1. 7, 20. 1 Tes. 2. 2.

21 Kodwa ukuba nani ni hlale nazi okwami, ngi kwenzayo, uTikiku, umzalwane otaudekayo, isikonzi esikolekayo eNkosini, u ya kunazisa konke;

Kol. 4. 7, 8. Imis. 20. 4. 2 Tim. 4. 12.

Titusi 3. 12.

22 Ngim tumile kini ngaloku, ukuba ni kwazi okwetu, nokuba a zi tokozise izinhli-ziyo zenu.

23 Ukutula a ku be kubazalwane, notando, nokukulwa oku vela kuTixo uyise na kuyo iNkosi uJesu Kristu. 1 Pet. 5. 14.

24 Umusa a u be kubo bonke aba i tandoayo iNkosi yetu, uJesu Kristu ngesiminy. Amen. Titusi 2. 7.

# SEFILIFI.

## ISAHLUKO 1.

**U**PAULE noTintote, izinceku zika Jesu kuKristu, kubo bonke abangewele aba kuKristu Jesu aba seFilifi, kanye nababonisi nezikonzi; 1 Kor. 1. 2.

2 A ku be kini umusa nokutula, oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNkosi uJesu Kristu. Rome 1. 7.

2 Kor. 1. 2. 1 Pet. 1. 2.

3 Ngi ya m bonga uTixo wami ekuu-kumbuleni konke kwami,

Rome 1. 8, 9. Ef. 1. 16. 1 Tes. 1. 2.

4 Ngezikati zonke, ekukulekeni kwami konke ngani nonke, ngi kuleka ngokutokoza.

5 Ngi ya bonga ukulihlanganyela kwenu ivangeli, iloku la fikayo ku ze ku be manje;

Rome 12. 13. 2 Kor. 8. 1. isa. 4. 15.

6 Ngi temba kona loku, ukuti, o se qalile umsebenzi olungileyo kini, u ya kuufeza ku ze ku fike usuku luka Jesu Kristu; John. 6. 29. 1 Tes. 1. 3.

7 Njengokuba ku ngi fanele ukuba ngi ziudhle loku ngani nonke; ngokuba ngi nani enhliziyweni yami; na sekubotyweni kwami, na sekuvikeleni na sekunqiniseni ivangeli, nina nonke ni hlanganyela umusa kanye nami.

2 Kor. 3. 2. & 7. 3. Ef. 6. 20. isa. 4. 14.

8 uTixo u ufakazi wami wokuti, ngi ya ni tanda kakulu nonke ngobubele buka Jesu Kristu. Rome 1. 9. & 9. 1.

Gal 1. 20. isa. 2. 26. & 4. 1.

9 Ngi ya kuleka loku, ukuba utando lwenu lu vame nokuvama ngokwazi na ngokuqonda konke;

1 Tes. 3. 12. Filemone 6.

10 Ni ze ni kete okulungileyo, ukuba ni be mhlope, ni nga bi nacala ngosuku luka Kristu; Rome 2. 18. & 12. 2.

Ef. 5. 10. Imis. 24. 16. 1 Kor. 1. 8.

11 Ni gewale izitelo zokulunga, ezi ngayo uJesu Kristu, ukuze uTixo a dunyiswe, a batyazwe. John. 15. 5.

Ef. 2. 10. John. 15. 8. Ef. 1. 12, 14.

12 Kepa ngi ya tanda, bazalwane, ukuba nazi ukuti, ivangeli li qubekile nga loku oku ngehleleyo;

13 Ku ze ku ti ukubotywa kwami ngenxa ka Kristu ku bonakale esigo-

dhlweni sonke, na sezindaweni zonke eziyue; isa. 4. 22.

14 Ba ti abazalwane abanengi eNkosi, be qhuiswa ngokubotywa kwami, ba vame ukushumayela izwi ngesibindi, be nge nakwesaba.

15 Kepa abanye ba shumayela uKristu ngomona na ngenkani; abanye ngotando. isa. 2. 2.

16 Labo ba shumayela uKristu ngokupikisana, ku nga bi ngesiminya be ti, ba za kweleka usizi ekubotyweni kwami;

17 Kepa laba ba m shumayela ngotando, bazi ukuti, ngi miselwe ukuvikela ivangeli.

18 Po ini na? kepa uKristu u shunyalwa ngezindawo zonke, noma ngokuzenzisa, noma ngeqiniso; ngi ya jabula nga loku, yebo, ngi ya kujabula.

19 Ngokuba ngi yazi ukuti, loku ku ya kungivezela ukusindiswa ngokuleka kwenu, na ngokusizwa uMoya ka Kristu, 2 Kor. 1. 11. Rome 8. 9.

20 Njengokubheka nokwetemba kwami, kokuti, a ngi yi kujabiswa ngaluto, kodwa ngokupimisela konke, njengezikati zonke, ku njalo na kaloku, uKristu u ya kukuliswa ngomzimba wami, nokuba ku ngokupila, nokuba ku ngokufa. Rome 8. 19. Rome 5. 5. Ef. 6. 19, 20.

21 Ngokuba kimina ukupila ku uKristu, ukufa ku ukuzuza:

22 Kepa uma ngi pila enyameni, loku ku isitelo somsebenzi kimina; a ngi kwazi engi ya kukuketa.

23 Ngokuba ngi eindezelwe kokobili; ngi nenhliziyo yokudhlala, ngi hlale noKristu; ngokuba ku lungile kakulu. 2 Kor. 5. 8. 2 Tim. 4. 6.

24 Kepa ukuhlala enyameni ku dingeka kakulu ngenxa yenu.

25 Loku ngi na lelitemba, ngi yazi ukuti, ngi ya kuhlala, ngi hlale nani nonke, ni ze ni qubeke, ni tokoze ekukolweni; isa. 2. 24.

26 Ni be nokujabula okukulu kuKristu ngami, ngokupindela kwami kini. 2 Kor. 1. 14. & 5. 12.

27 Kodwa a ni hambe ngokufanele ivangeli lika Kristu, ukuze, noma ngi za

ngi ni bone; noma ngi ngezi, ngi ku zwe okwenu kokuti, ni mi ni qinile emoyeni munye; ni bambisene nganhliziyonye ekukolweni ivangeli;

Ef. 4. 1. isa. 4. 1. 1 Kor. 1. 10. Jude 3.

28 Ni ngesatyiswa ngaluto ilabo abalwa nani; loku ku isiboniso sokulahlwa kubona, kepa kinina ku isiboniso sokusindiswa; na loku ku vela kuTixo.

2 Tes. 1. 5. Rome 8. 17. 2 Tim. 2. 11.

29 Ngokuba a nabelwanga ngenxa kaKristu ukukulwa uye kodwa, kepa nabelwe nokuhlupeka ngenxa yake;

Imis. 5. 41. Rome 5. 3. Ef. 2. 8.

30 Ni na lokokulwa ena ku bona kimina, na kaloku ni zwa ukuti ku kimi.

Kol. 2. 1. Imis. 16. 19-24. 1 Tes. 2. 2.

### ISAHLUKO 2:

**U**MA ku kona ukutokoza kuye uKristu, uma ku kona ukududuzeka ngokutanda, uma ku kona ukuhlangana kuka Moya, uma ku kona ububele nomusa,

2 Kor. 13. 14. Kol. 3. 12.

2 Nenze ukujabula kwami, ku pelele, ni ze ni be nokuqonda kunye, ni nokutanda kunye, ni nomoya munye; ni nenhliziyonye; John. 3. 29. Rome 12. 16. isa. 1. 27. 1 Pet. 3. 8.

3 Ni ngenzi luto ngenkani na ngokuziqenya; kepa ngokutobeka a ku be ilowo a tyaye sengati bahle abanye ku naye. Gal. 5. 26. isa. 1. 16. Rome 12. 10.

4 A ku be ilowo a nga bheki okwake, kepa a bheke okwabanye. 1 Kor. 10. 24.

5 A ni be nokuqonda loko a e nako uKristu Jesu. Mat. 11. 29. John. 13. 15. 1 Pet. 2. 21.

6 Yena, o nokuma kuka Tixo, ka tyongo ukuti, ku ukupanga ukulingana noTixo; John. 1. 1, 2. & 17. 5. & 5. 18. & 10. 33. 2 Kor. 4. 4.

7 Kodwa wa zambula, wa tabata ukuma komfokazana, wa fana nabantu. Izihl. 22. 6. Isai. 53. 3. Dan. 9. 26.

Isai. 42. 1. & 52. 13. & 53. 11. Hez. 34. 23. Mat. 20. 28. Gal. 4. 4.

8 Wa ti e sa fuza abantu, wa zitobisa, e lalela kwa za kwa ba sekufeni, na sekufeni kwesipambano. Mat. 26. 39, 42. John. 10. 18. Heb. 12. 2.

9 Ngaloko uTixo wa m pakamisa kakulu; wa m nika igama elikulu ku namagama onke; John. 17. 1. Imis. 2. 33. Heb. 2. 9. Ef. 1. 21. Heb. 1. 4.

10 Ku ze ku ti ngegama lika Jesu amadolo onke a guqe, awaba sezulwini,

na waba semhlabeni nawaba pansikohlaba,

Isai. 45. 23. Mat. 28. 18.

Isam. 5. 13.

11 Zi vume izilimi zonke, zi ti, uJesu Kristu u iNkosi, a dunyiswe uTixo uYise: John. 13. 13. Rome 14. 9.

12 Ngakoke, bataudekayo bami, loku ni lalele ngezikati zonke, a ngi tyo nxa ngi kona kini kodwa, kepa kakulu na manje nanxa ngi ngeko, fezani ukusindiswa kwenu ngokwesaba na ngokututumela. isa. 1. 5. Ef. 6. 5.

13 Ngokuba u uTixo o ni nika inhliziyoyokutanda nokwenza, njengokubona kwake. 2 Kor. 3. 5. Heb. 13. 21.

14 Yenzani konke ni nga solini, ni nga pikisani; 1 Kor. 10. 10. 1 Pet. 4. 9.

Rome 14. 1.

15 Ukuze ni nga soleki, ni be mhlope, ni be abantwana baka Tixo abanenge nacara esizukulwaneni esibisonakeleyo eni kanya kuso, njengezinkanyiso zikanya emhlabeni. Mat. 5. 45. Ef. 5. 1.

1 Pet. 2. 12. Dut. 32. 5.

16 Ni li bambe izwi lokupila, ngi ze ngi be nokubonga ngosuku luka Kristu, ngokuba ngi nga gjimanga ngeze, ngi nga sebenzanga ngeze. 2 Kor. 1. 14.

1 Tes. 2. 19. & 3. 5. Gal. 2. 2.

17 Yebo, nokuba ngi nikelwa emhlatyelweni na senkonzweni yokukulwa kwenu, ngi ya jabula, ngi jabula kanye nani nonke. 2 Tim. 4. 6. Rome 15. 16. 2 Kor. 7. 4. Kol. 1. 24.

18 Ngako loku jabulani nani, ni jabule kanye nani.

19 Kepa ngi yetemba kuJesu iNkosi ukutuma uTimote a ye kini masinyane, ukuze ngi tokoze nami, nxa ngi zwa izindaba za kini. Rome 16. 21. 1 Tes. 3. 2.

20 A ngi namuntu o nenhliziyoye nje ngeyake, o za kunakekela okwenu ngesiminya. Izihl. 55. 13.

21 Ngokuba bonke ba funa okwabo, a ba funi okuka Jesu Kristu.

1 Kor. 10. 24. & 13. 5. 2 Tim. 4. 10, 16.

22 Kepa ni yazi ukulunga kwake, ukuti, u konzile kanye nami evangelini, njengomntwana e konga noyise.

1 Kor. 4. 17. 1 Tim. 1. 2. 2 Tim. 1. 2.

23 Ngako ngi yetemba ukumtuma yena, lapo se ngi bonile okwami;

24 Kodwa ngi yetemba eNkosini ngiti, nami ngi ya kuza masinyane.

isa. 1. 25. Filemone 22.

25 Kepake be ngi ti, ku fanele ngi tume kini uEpafroditu, umzalwane, o isisebenzi nebuto kanye nami, kodwa o

isigijimi senu, owa ngi konzayo eku-  
sweleni kwami; isa. 4. 18. Filemone 2.

2 Kor. 8. 23. & 11. 9. isa. 4. 18.

26 Loku wa e ni fisa nina nonke, e  
dabukile ngokuba nezwa ku tiwa, u be  
gula. isa. 1. 8.

27 Wa e gula isibili, e sekufeni; kepa  
uTixo wa m haukela; a si yena yedwa  
a m haukela; wa ngi haukela nami,  
ngi nga bi nosizi pezu kosizi.

28 Ngaloku ngi tyetyile ukumtuma,  
ukuba ni buye ni tokoze, nxa ni m bo-  
nile, nami ngi nga bi nalusizi.

29 Ngakoke m amkeneli eNkosini ngo-  
kujabula konke; abanjalo ni ba patisa  
okwabatandekayo; 1 Kor. 16. 18.

1 Tim. 5. 17.

30 Ngokuba ngenxa yomsebenzi ka  
Kristu wa citya wa fa, e zinikela yena,  
ukuze enezele ukungikonza kwenu oku-  
seleyo. 1 Kor. 16. 17. isa. 4. 10.

### ISAHLUKO 3.

**K**EPA, bazalwane bami, jabulani  
eNkosini. Ukunilobela loku a ku-  
nzima kimina; ku ukugcina kinina.

2 Kor. 13. 11. isa. 4. 4. 1 Tes. 5. 16.

2 Xwayani izinja, xwayani izisebe-  
nzi ezibi, xwayani ukusika.

Isai. 56. 10. 2 Cor. 11. 13. Rome 2. 23.

Gal. 5. 2, 15.

3 Si ngabokusoka tina, esi konza  
uTixo ngomoya, si tokoza ngaye uKri-  
stu Jesu, si ngetembi enyameni.

Dut. 10. 16. & 30. 6. Jer. 4. 4.

Rome 2. 29. & 7. 6. Kol. 2. 11. John. 4. 23, 24.  
Gal. 6. 14.

4 Noko ngi nga ba nokwetemba mina  
enyameni. Uma e kona omunye mu-  
ntu o nga tyo ukuti, u nokwetemba  
enyameni, mina ngi nako kakulu;

2 Kor. 11. 18, 21.

5 Ngi ngowabasokileyo ngosuku lwe-  
sishiyagalombili, ngi ngowesizwe sika  
Israeli, ngi ngowendhlu ka Benjamini,  
umHeberu kubaHeberu; ngokomteto  
be ngi umFarisi; Gen. 17. 12.

2 Kor. 11. 22. Rome 11. 1. Imis. 23. 6. & 26. 5.

6 Ngokukutala be ngi hlupa amaba-  
ndhla; ngokulunga oku ngomteto, be  
ngi nge nacala. Gal. 1. 13, 14.

Imis. 9. 1. & 22. 3. Rome 10. 5

7 Kepa loku okwa ku inzuzo kimi,  
nga ku tyaya indiva ngenxa ka Kristu.

Mat. 13. 44.

8 Yebo, konke ngi ku tyaya indiva  
ngobukulu bokunazi uKristu Jesu,  
iNkosi yami, engi lahlekelwe konke

ngenxa yake, ngi ku tyaya izibi, ngi ze  
ngi zuze uKristu, Isai. 53. 11.

Jer. 9. 23, 24. John. 17. 3. 1 Kor. 2. 2.

Kol. 2. 2.

9 Ngi funyanwe kuyena, ngi nge nako  
ukulunga kwami, oku ya ngomteto, ngi  
be na loko oku ya ngokukulwa uKristu,  
ngi tyo ukulunga oku vela kuTixo ngo-  
kukulwa. Rame 1. 17. & 3. 21, 22. & 9. 30.

& 10. 3, 6. Gal. 2. 16.

10 Ukuze ngi m azi yena, namandhla  
okuvuka kwake, nokublanganyela izi-  
nhlupeko zake, ngi m fuze ngokufa  
kwake. Rome 6. 3-5. & 8. 17.

2 Tim. 2. 11, 12. 1 Pet. 4. 13.

11 Ku ze ku ti mhlambulbe ngi finyelele  
ekuvukeni kwabafileyo. Imis. 26. 7.

12 A ngi tyo, se ngi finyelela, nokuti se  
ngi fezile; kepa ngi ya qinisa, ku nga ti  
mhlambulbe, ngi ku bambe loko, enga  
banjelwa kona uKristu. 1 Tim. 6. 12.

Heb. 12. 23.

13 Bazalwane, a ngi tyo, ngi ku ba-  
mbile; kepa ngi tyo loku kupela, ngi  
kohlwa okungasemva, ngi zelulela oku-  
pambili, Izihl. 45. 10. Luk. 9. 62.

1 Kor. 9. 24, 26. Heb. 6. 1.

14 Ngi ya qinisa ngi qonda kuwo  
ungomo, ngi ze ngi zuze umvuzo woku-  
biza kwa sezulwini kuka Tixo ngo-  
Kristu Jesu. Heb. 3. 1. & 12. 1.

15 Ngakoke, tina sonke esipelele a si  
be nokuqonda okunjalo; kepa noma ni  
nokuqonda okunye, uTixo u ya kuna-  
mbulela na loko. 1 Kor. 2. 6. & 14. 20.

Gal. 5. 10.

16 Kepa a si bambe ngako loko, esi  
finyelele kuko, si be nakuqonda kunye.

Gal. 6. 16. isa. 2. 2.

17 Bazalwane, ngi lingiseni, ni ba  
bhakisise aba hamba njalo, loku tina si  
isiboniso kini. 1 Kor. 14. 16. isa. 4. 9.

1 Pet. 5. 3.

18 Ngokuba abaningi be hamba, e be  
ngi ni tyela futifuti, ngabo, na manje  
ngi ni tyela ngi kala, ngi ti, ba izita esi-  
pambanweni sika Kristu; isa. 1. 15, 16.

19 Ukupela kwabo ku ukubujiswa,  
utixo wabo u isisu, udumo lwabo lu se-  
hlazweni labo, be naka okomhlaba.

2 Kor. 11. 12, 15. 2 Pet. 2. 1.

Rome 8. 5. & 16. 18. 1 Tim. 6. 5.

Titusi 1. 11. Gal. 6. 13.

20 Ngokuba ikiti li sezulwini; lapo si  
bheka kona ukuvela komsiudisi, iNkosi  
uJesu Kristu; Ef. 2. 6. Kol. 3. 1.

Imis. 1. 11. 1 Kor. 1. 7, 10.

21 O ya kuguqula umzimba wetu wo-



bupansi, u ze u fane nomzimba wake okazimulayo, ngokusebenza a nama-ndhla ngako ukuzihlelela konke.

1 Kor. 15. 26, 43, 48, 49. Kol. 3. 4.

Ef. 1. 19. 1 Kor. 15.

#### ISIAHLUKO 4.

**N**GAKO, bazalwane bami, abatandwa-nyo nabafiswayo, ukujabula kwami, nomqele wami, njalo, batandwayo, yimani ni qinile eNkosini.

isa. 1. 8.

2 Kor. 1. 14. 1 Tes. 2. 19.

2 Ngi ya ncenga uOdia, ngi ya ncenga noSintike, ukuba ba be nokuqonda kunye eNkosini.

isa. 2. 2.

3 Yebo, ngi ya ku nxusa nawe, o isisebenzi kanye nami isiminya, u ba size laba abesifazana, aba bambisana nami evangelini, kanye noKlemente nabanye aba izisebenzi nami amagama abo a senewadini yokupila;

Rome 16. 3.

isa. 1. 27. Eks. 32. 32. Izihl. 69. 28.

Dan. 12. 1. Luk. 10. 20. Isam. 3. 5. & 13. 8. & 20. 12. & 21. 27.

4 Tokozani eNkosini njalonzalo; ngi buya ngi ti, tokozani.

isa. 3. 1.

1 Tes. 5. 16.

5 Ukulunga kwenu a kwaziwe abantu bonke, iNkosi i seduze.

Heb. 10. 25.

2 Tes. 2. 2.

6 Ni nga katazeki ngaluto; kepa ezintweni zonke, ukucela kwenu a kwaziwe uTixo ngokukuleka, na ngokunxusa, na ngokubonga.

Amazwi 16. 3. Mat. 6. 25. Luk. 12. 22.

7 Kona ukutula kuka Tixo, oku dhula ukuqonda konke, ku ya kugcina izinhliziyu zenu, nokuzindhla kwenu ngoKristu Jesu.

John. 14. 27. Rome 5. 1.

Kol. 3. 15.

8 Kepa bazalwane, konke oku isiminya, konke okutusekayo, konke okulungileyo, konke okuwebileyo, konke okutandekayo, konke okubongekayo; uma ku kona okuhle, uma ku kona ukubatyazwa, qondani kona loko.

1 Tes. 5. 22.

9 Loko eni ku fundileyo, neni kwamkeleyo, neni ku zwileyo, neni ku bonileyo kimina, kwenzeni; uTixo wokutula u ya kuba nani.

isa. 3. 17.

Rome 15. 33. 1 Kor. 14. 33.

10 Kepake ngi ya tokoza kakulu eNkosini, ngokuba se ni buye ni buse ngokunginakelwa kwenu; noma na nakekela, na swela ituba lokwenza.

2 Kor. 11. 9.

11 A ngi kulumi ngokuswela, ngokuba se ngi fundile ukukulwa iloku, engi nako.

1 Tim. 6. 6.

12 Ngi yazi ubumpofu, ngi yazi nokufuya; ezindaweni zonke, na sezintweni zonke, ngi fundisiwe ukusuta nokulamba, ukufuya nokuswela.

1 Kor. 4. 11.

2 Kor. 6. 10. & 11. 27.

13 Ngi nga kwenzela konke ngaye uKristu o ngi qinisoayo.

John. 15. 5.

2 Kor. 12. 9.

14 Kepa nenze kahle ngokuhlanganyela nami ukuhlupeka kwami.

isa. 1. 7.

15 Ni yazi, nina ba seFilipi, ukuti, ekuqaleni kwevangeli; ekupumeni kwami eMakedonia, kwa ku nge ko ibandhla nelilodwa, ela hlanganyela nami ngokupa nelokwamkeliswa, nina nodwa kupela.

2 Kor. 11. 8, 9.

16 Na seTsalonika na tuma futufuti ngokuswela kwami.

17 A ngi tyo ngi funa ukupiwa, kepa ngi ya funa izitelo ezi ya kwandela icala lenu.

Rome 15. 28. Titusi 3. 14.

18 Kodwa se ngi nako konke, ngi fuyile; ngi gewele, ngi zamkele kuEpa-froditu izinto eza tunywa imina, ezi ipunga elimnandi, umnikelo okolekayo noyolileyo kuTixo.

isa. 2. 25. Heb. 13. 16.

2 Kor. 9. 12.

19 Kepa uTixo wami u ya kwenzela konke ukuswela kwenu ngokufuya kwake ebukosini, ngoKristu Jesu.

Izihl. 23. 1. Ef. 3. 16.

20 KuTixo uBaba wetu a ku be ubukosi ku ze ku be nini na nini. Amen.

Rome 16. 27. Gal. 1. 5.

21 Ngi konzeleni kubo bonke abangewele aba kuKristu Jesu. Abazalwane aba nami ba konza kinina.

Gal. 1. 2.

22 Abangewele bonke ba ya konza kinina; kakulu abendhlu ka Kesari.

isa. 1. 13.

23 Umusa weNkosi yetu, uJesu Kristu, a u be kinina nonke. Amen.

Rome 16. 24.

# SEKOLOSE.

## ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, umpostoli ka Jesu Kristu, ngentando ka Tixo, noTimote umzawlwane wetu, Ef. 1. 1.

2 Kubo abangewele aba seKolose nabazlwane abakolekayo aba kuKristu, a ku be kinina umusa nokutula oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNkosi uJesu Kristu.

1 Kor. 4. 17. Ef. 6. 21. Gal. 1. 3.

3 Si ya m bongwa uTixo, uYise wNkosi yetu uJesu Kristu, si ni kulekela njalo; 1 Kor. 1. 4. Ef. 1. 16. Fil. 1. 3.

4 Si zwile ngokukolwa kwenu kuKristu Jesu, na ngotando lwenu eni ba tinda ngalo abangewele bonke,

Filemone 5. Heb. 6. 10.

5 Ngenxa yetemba, eni li bekelweyo ezulweni, ena li zwa ngapambili ngezwi eliqinisileyo levangeli,

2 Tim. 4. 8. 1 Pet. 1. 4.

6 Eli kona kinina, njengokuba li kona na sezweni lonke li tela izitelo, njengokuba li njalo na kinina, iloku nezwa ngalo, nazisisa umusa ka Tixo ngeqiniso; Mat. 24. 14. Rome 10. 18.

7 Njengokuba na fundiswa uEpafra, ineeku kanye nati, etandekayo, o isikozni esikolekayo sika Kristu ngenxa yenu; isa. 1. 12.

Filemone 23. 2 Kor. 11. 23. 1 Tim. 4. 6.

8 Uyena owa si tyela ngotando lwenu olu ngaye uMoya. Rome 15. 30.

9 Ngaloku nati, iloku sa ku zwa, a si yeki ukunikulekela, nokuncenga ukuba ni gewale ukuyazisisa intando yake kuko konke ukuhlakanipa nokuqonda kuka Moya; Ef. 1. 8, 15, 16. & 5. 17.

1 Kor. 1. 5. Rome 12. 2.

10 Ni hambe ngokufanele iNkosi, ni ze ni i tokozise njalo, ni vame imisebenzi yonke elungileyo, ni kule ekumazisiseni uTixo; Ef. 4. 1. Fil. 1. 27.

1 Tes. 4. 1. & 2. 12. 2 Kor. 9. 8. Titusi 3. 1.

Heb. 13. 21.

11 Ni qiniswe nokuqiniswa ngamandhla ake adumileyo, ni ze ni be nokubekezela konke, nokukutazela, nokutozoza. Ef. 3. 16. & 4. 2.

Imis. 5. 41. Rome 5. 3.

212

12 Ni bongwe uYise o senze si fanele ukwabelwa ifa labangewele eli sekukanyeni; Ef. 5. 20. isa. 3. 15. Imis. 26. 18.

13 O si kulule emandhleni obumnyama, wa si beka embusweni wendodana yake etandekayo; Ef. 6. 12.

1 Pet. 2. 9. 2 Pet. 1. 11. 1 Tes. 2. 12.

14 Esi nokuhlengwa ngayo ukutetelelwa izono zetu; Ef. 1. 7.

15 Em fuzayo uTixo o nga bonwayo engowamazibulo kuko konke okudatyulwayo; 2 Kor. 4. 4. Heb. 1. 3. Isam. 3. 14.

16 Ngokuba kwa datyulwa iyo konke okusezulwini nokusemhlabeni konke okubonakalayo nokungabonakaliyo, nokuba ku izihlalo zobukosi, nokuba ku imibuso, nokuba okobukulu, nokuba okwamandhla; konke kwa datyulwa iyo, kwa datyulwa yona; John. 1. 3.

1 Kor. 8. 6. Ef. 1. 21. & 3. 9. Rome 8. 38.

& 11. 36. isa. 2. 10, 15. 1 Pet. 3. 22.

Heb. 2. 10.

17 Yona i ngapambili kwako konke; konke ku mi ngayo. John. 1. 1. & 17. 5.

1 Kor. 8. 6.

18 Yona i inhloko yomzimba, yebandhla; eyokuqala, e ngowamazibulo kwabafileyo, i ze i be nkulu ezintweni zonke. 1 Kor. 11. 3, 15, 20, 23. Ef. 1. 22.

Imis. 26. 23. Isam. 1. 5.

19 Ngokuba kwa ku kuhle kuyise ukuba ku hlale kuyo ukupelela konke;

John. 1. 16. & 3. 34. isa. 2. 9.

20 A buyisene nako konke ngayo, e kwenzile ukutula ngegazi lesipambano sayo; ngi tyo ngayo, nokuba ku konke oku semhlabeni, nokuba ku konke oku sezulwini. 2 Kor. 5. 18. Ef. 1. 10. & 2. 14-16.

21 Nani e kade nedukile, ni izita ezinhliziyweni zenu ngemisembenzi emibi, kepa kaloku u buyisene nani,

Ef. 2. 1. 2, 12, 19. & 4. 18. Titusi 1. 16.

22 Ngomzimba wenyama yayo, ugako ukufa, a ze a ni veze ni be ngewele, ni nge nacala, ni nga soleki, pambi kwake;

Luk. 1. 75. Ef. 1. 4. & 2. 15. & 5. 27.

Jude 24.

23 Uma ni mi ekukolweni, ni sekwelwe, ni qiniseke, ni nga gudhluke etembenzi levangeli, eni li zwileyo, eli shunayelwe kubantu bonke aba ngapansi

kwezulu, enga bekwa isikonzi salo, mina Paule. Ef. 3. 17. isa. 2. 7.

Rome 10. 18. Imis. 1. 17. 2 Kor. 3. 6. Ef. 3. 7.

24 Kaloku ngi ya tokoza ekuhlpekeni kwami ngenxa yenu; ngi yenezela enyameni yami ukumhlupekela uKristu okusilaleleyo, ngenxa yomzimba wake, o ibandhla; Rome 5. 3.

2 Kor. 1. 5, 6. & 7. 4. Fil. 3. 10. 2 Tim. 2. 10. Ef. 1. 23. & 3. 13.

25 Enga bekwa isikonzi salo, ngokungimisa kuka Tixo ngenxa yenu, ngi ze ngi shumayele izwi lika Tixo, li pelele; 1 Kor. 9. 17. Rome 15. 19.

26 Ngi tyo imfihlakalo i bi fihliwe iloku kwa qala izikati nezizwe, kepa kaloku i hlalukiswa kwabangewele bake; Rome 16. 25. 1 Kor. 2. 7. Mat. 13. 11.

27 uTixo a tanda ukubazisa oku umcebwo wobukosi ba leyomfihlakalo ezizweni, e nguKristu pakati kwenu; itemba lobukosi; Ef. 1. 7. & 3. 8. 1 Tim. 1. 1.

28 Esi m shumayelayo, si ba luleka abantu bonke, si ba vezisa abantu bonke; ukuba si ba veze abantu bonke be pelele kuKristu Jesu; Imis. 20. 20, 31. 2 Kor. 11. 2.

29 Engi kutalela kona nami, ngi zama ngokusebenza kwake o sebenzayo kimi ngamandhla. 1 Kor. 15. 10. isa. 2. 1. Ef. 1. 19. & 3. 20.

## ISAHLUKO 2.

**N**GI ya tanda ukuba ni wazi umsebenzi ongaka engi nawo ngani, na ngaba seLaodikia, na ngabo bonke abanga bonanga ubuso bami enyameni; Fil. 1. 30. 1 Tes. 2. 2.

2 Ukuba izinhliziyo zabo zi tokoziswe, be hlangene otandweni, ba ze ba be nomecbo wonke wetemba elipeleleyo lokuzwisisa, bazisise imfihlakalo kaTixo uYise, neka Kristu; 2 Kor. 1. 6. isa. 1. 9. & 3. 14. Fil. 3. 8.

3 Oku fihliwe kuye imfuyo yonke yokuhlakanipa neyokwazi. 1 Kor. 1. 24. & 2. 6, 7. Ef. 1. 8.

4 Kepa ngi tyo loku ukuba ni nga dukiswa muntu ngamazwi ayengayo. Rome 16. 18.

5 Noma ngi nge ko ngomzimba, ngi kona nani ngomoya wami, ngi tokoza, ngi bona ukuhlelwa kwenu, nokuqina kokukolwa kwenu kuKristu. 1 Kor. 5. 3. & 14. 40. 1 Tes. 2. 17. 1 Pet. 5. 9.

6 Ngako njengokuba ni mamkele uKristu Jesu iNkosi, hambani ngokwake, 1 Tes. 4. 1. Jude 3.

7 Ni gxilile nakelwe kuye; ni qiniseke ekukolweni, njengokuba ni fundisawe, ni ku vame kona, ni bouge. Ef. 2. 21, 22. & 3. 17. isa. 1. 23.

8 Xwayani, ni nga tunjwa muntu ngemikuba, na ngokukohlisa oku ize, njengokwemvelo yabantu njengokufundisa kwezwe, ku nge njengoKristu. Jer. 29. 8. Rome 16. 17. Heb. 12. 9. Mat. 15. 2. Gal. 1. 14.

9 Ngokuba ku kuye ukupelela konke kobuTixo uqobo lwabo. John. 1. 14. isa. 1. 19.

10 Ni pelele ngaye o inhloko yabo bonke ubukulu namandhla; John. 1. 16. Ef. 1. 21. isa. 1. 16.

11 Eni sokile ngaye ngokusoka oku ngenziwa ngezandhla, ngokwambula umzimba wenyama, ukuti, ngokusoka kuka Kristu, Dut. 10. 16. Jer. 4. 4. Rome 2. 29. Fil. 3. 3. Ef. 4. 22.

isa. 3. 8, 9.

12 Na mbelwa njengaye ngokubapati-zwa, ena vuswa ngako njengaye, ngokukolwa okusetyenzwayo uTixo, owa m vusa yena kwabafileyo. Rome 6. 4. isa. 3. 1. Ef. 1. 19. Imis. 2. 24.

13 Nina ena ni ngabafileyo ezonweni na sekungasokeni kwenyama yenu, wa ni vusa, ni pile kanye naye, e si tetelela izono zonke; Ef. 2. 5.

14 Wa hlangula okulotyiwe emteweni oku si lahlayo, okubetana nati, wa ku susa, wa ku betela esipambanweni; Ef. 2. 15, 16.

15 Wahhlula amakosi naba izikulu, wa ba veza obala, e ba nqoba yena ngokwake. Gen. 3. 15. Izihl. 68. 18. Isai. 53. 12. Mat. 12. 29. John. 12. 31.

& 16. 11. Ef. 4. 8. Heb. 2. 14.

16 Ngako a ku nga bi ko muntu o ni lahlayo ngokudhla, na ngokupuza, na ngesikati esimisiweyo sokudhla, na ngokutwasa kwenyanga, na ngamasonto; Rome 14. 3, 10, 13. 1 Kor. 8. 8.

17 Oku isitunzi sa loko o be za kuzazi, kepa umzimba u ngoka Kristu. Heb. 8. 5. & 10. 1.

18 A ku nga bi ko muntu o namuka umvuzo, e tokoza ngokuzitobisa kwake, na ngokudumisa izingelosi, e ngena ku loko e nga ku bonanga, e zikukumeza ngeze ngenhliziyo yake e ngokwenyama, Hez. 13. 3.

19 E nga bambelele enhlokweni, oko-

ndhliwa iyo umzimba wonke, u hlanganiswa ngamalungu nemisipa u ya kula ngokukulisa kuka Tixo. Ef. 4. 15, 16.

20 Ngako uma na fa kanye noKristu ekufundiseni kwezwe, ni bopekeleni ngemikuba, ngokungati ni sa hlezi ezweni? Rome 6. 3, 5. Gal. 4. 9.

21 Imikuba yokuti, U nga pati, u ngezwa ngolimi, u nga namati;

1 Tim. 4. 3.

22 (Konke loku ku ukufa ngokupatwa), ngokuyala na ngokufundisa kwabantu? Mat. 15. 9. Titusi 1. 14.

23 Loku ku ukuzenzisa okokuhlakanipa ngokuzidumelisa na ngokuzitobisa, na ngokudela umzimba, u nga nakekelwa, ku ze ku sute inyama.

1 Tim. 4. 8.

### ISAHLUKO 3.

**N**GAKO uma na vuswa kanye noKristu, funani okwa pezulu, lapo e kona uKristu ngakwesokunene sika Tixo.

Rome 6. 5. & 8. 34. Ef. 1. 20. & 2. 6.

2 Qondani okwa pezulu, ni nga qondi okomhlaba.

3 Ngokuba ni file; ukupila kwenu ku filhlelwe noKristu kuTixo. Rome 6. 2.

isa. 1. 5. & 2. 20. 2 Kor. 5. 7.

4 Nxa e bonakele uKristu, o ngukupila kwetu, nani ni ya kubonakala kanye naye ebukosini. 1 Joh. 3. 2. 1 Kor. 15. 43.

Fil. 3. 21.

5 Ngako bubisani amalungu enu a semhlabeni; ukuhlobonga, namanyala, nokukanuka okubi, nokunxanela, nokufisa, oku kanye nokukonza izitombe; Rome 6. 13. & 8. 13. Gal. 5. 24. Ef. 5. 3, 5.

1 Tes. 4. 5.

6 Oku ti nga loko ulaka luka Tixo lwehlele pezu kwabangakolwayo;

Rome 1. 18. Ef. 2. 2. & 5. 6. Imis. 22. 15.

7 E kade na ni hamba kuko, lapo be ni hlezi kuko. Rome 6. 19. Ef. 2. 2.

Titusi 3. 3

8 Kepa kaloku lahlanani loku konke, ulaka, nokutukutela, nokushinga, nokutuka, nokukuluma okubi, ku nga bi ko emlonyeni wenu. Ef. 4. 22, 29. & 5. 4.

Heb. 12. 1. 1 Pet. 2. 1.

9 Ni nga qambelani, loku nambulile umuntu omdala kanye nenisebenzi yake, Levi 19. 11. Ef. 4. 22, 24, 25.

10 Nembete omutya, owenziwa mutya, a ze azisise, a ni fuze owamenzayo; Rome 12. 2. Ef. 2. 10.

11 Lapo a ku ko umGrecki nomJuda, ukusoka nokungasoki, umBarbari no-

mSitia, isibotywa nokululekileyo; kepa uKristu u iko konke, u kubo bonke.

Rome 10. 12. 1 Kor. 12. 13. Gal. 5. 6.

Ef. 1. 23. & 6. 8.

12 Ngako, loku ni ngabaketiweyo bakka Tixo, abangewele nabatandekayo, yambatani imbilini yobelele, nesisa, nokutobeka, nobunene, nenyewe;

1 Tes. 1. 4. Gal. 5. 22. Ef. 4. 2, 32. Fil. 2. 1.

13 Ni bekezelane, ni tetelelane; uma umuntu e necala komunye; njengokuba uKristu u ni tetelele, tetelelani njalo nani; Mark 11. 25.

14 Kepa pezu kwako konke loku, yembatani utando, olu isibopo sokupeleleyo. 1 Pet. 4. 8. John. 13. 34. Rome 13. 8. isa. 2. 2. Ef. 4. 3. & 5. 2.

15 Ukutula kuka Tixo a ku buse ezinhliziyweni zenu, eni bizelwe kuko emzimbeni munye; ni bonge.

Fil. 4. 7. 1 Kor. 7. 15. Ef. 2. 16. isa. 2. 7.

16 Izwi lika Kristu a li hlale pakati kwenu li vame; ngokuhlakanipa konke ni fundisane, ni yalane, ngezihlabelelo, nezibongo, namagama ka Moya; ni hlabelele kuTixo ngokubonga ezinhliziyweni zenu. 1 Kor. 14. 26.

Ef. 5. 19. isa. 4. 6.

17 Konke eni kwenzayo, noma ku ngezwi, noma ku ngomsebenzi, kwenzeni konke ngegama leNkosi uJesu, ni m bongu uTixo uYise ngayo.

1 Kor. 10. 31. Ef. 5. 20. isa. 1. 12. & 2. 7.

1 Tes. 5. 18.

18 Bafazi, hlompiani amadoda enu njengokunifanele eNkosini. Ef. 5. 22.

Titusi 2. 5. 1 Pet. 3. 1.

19 Madoda, tandani omkenu, ni nga bi nolunya kubo. Ef. 5. 25, 28, 33.

1 Pet. 3. 7.

20 Bantwana, lalalani abazali benu ezintweni zonke; ngokuba kuhle loku eNkosini. Ef. 5. 24. & 6. 1. Titusi 2. 9.

21 Boyise, ni nga canuli abantwana benu, funa ba dinwe. Ef. 6. 4.

22 Zisebenzi, lalalani ezintweni zonke aba ngamakosi enu ngokwenyama; ni nga ba konzi ngobuso, njengabatokozi-sayo abantu; kepa ni ba konze ngenhliziyweni i benye, ni yesabe iNkosi.

Ef. 6. 5. 1 Tim. 6. 1. Titusi 2. 9.

1 Pet. 2. 18. Filemone 16.

23 Konke eni kwenzayo, kwenzeni ngenhliziyweni, kungati ni yenzela iNkosi, ni nga benzeli abantu; Ef. 6. 6, 7.

24 Nazi ukuti, ni ya kuzuza eNkosini umvuzo wefa; ngokuba ni i konza iNkosi uKristu. Ef. 6. 8. 1 Kor. 7. 22.

## I. ABASETESALONIKA, 1.

25 O kwenza okubi, u ya kwamkeli-swa okubi a kwenzayo; akuko ukuketa ngobuso. Ef. 6. 9. 1 Pet. 1. 17. Dat. 10. 17.

### ISAHLUKO 4.

**M**AKOSI, nikani izisebenzi zenu oku-faneleyo nokulingeneyo, nazi ukuti, ni neNkosi ezulwini nani. Ef. 6. 9.

2 Qinisani ekukulekeni, ni linde kuko, ni bongwe; Luk. 18. 1. 1 Tes. 5. 17, 18. isa. 2. 7. & 3. 15.

3 Ni si kulekele nati, ukuba uTixo a si vulele imnyango wezwi, si ze si shu-mayele imfihlakalo ka Kristu, engi bo-tywa ngayo; Ef. 6. 19, 20. 2 Tes. 3. 1. Mat. 13. 11. 1 Kor. 4. 1. isa. 1. 26. & 2. 2. Fil. 1. 7.

4 Ukuba ngi i bonakalise njengokuba ku ngi fanele ngi shumayele.

5 Hambani ngokuhlakanipa kwaba-ngapandhle, ni bambisise isikati. 1 Tes. 4. 12.

6 Ukukuluma kwenu a ku be mna-ndi, ku yoliswa ngosaoti, ukuba nazi ukubapendula bonke ngokunifanele. Ums. 10. 12. isa. 3. 16. Mark 9. 50. 1 Pet. 3. 15.

7 U ya kunazisa konke okwami uTi-kiku, umzalwane otandekayo, isikonzi esikolekayo, isisebenzi kanye nati eNko-sini; Ef. 6. 21.

8 Engi m tumile kini ngako loku, ukuba a kwazi okwenu, a tokozise izi-nhliziyo zenu; Ef. 6. 22.

9 Ngi m tumile yena kanye noOnesi-mu, umzalwane okolekayo notandeka-yo, o ngowa kini. Ba ya kunazisa ko-nke okwalapa. Filemone 10.

10 U ya konza kini uAristarku, isi-botywa kanye nami; noMarko, indo-dana ka dade wabo ka Barnaba, ena yalwa ngaye, (uma e za kini, m amke-leni;)

Filemone 24. Imis. 15. 37. & 19. 29.

11 noJesu o tiwa uJustu, abokusoka. Ilaba bodwa ba izisebenzi kanye nami embusweni ka Tixo; laba ba be ukuto-koza kimi.

12 U ya konza kini uPafra, owa kini, inceku ka Kristu, e ni kutalele njalo ngokukuleka, ni ze ni me ni feze-kile; ni pelele etandweni yonke ka Tixo. isa. 1. 7. Filemone 23. Rome 15. 30. Heb. 5. 14.

13 Ngi ya qinisa ngaye ukuti, u ya ni kutalela kakulu, nina naba seLaodikia, naba seHierapoli.

14 U ya konza kini uLuka, inyanga yokwelapa etandekayo, noDemasi. 2 Tim. 4. 10, 11. Filemone 24.

15 Ngi konzeleni kubazalwane aba se-Laodikia, na kuNumfasi, na kulo iba-ndhla la kwake. Rome 16. 5. 1 Kor. 16. 19.

16 Nxa lenewadi i si fundiwe pakati kwenu, a i fundwe ibandhla laba seLaodikia; nani a ni funde inewadi ya se-Laodikia. 1 Tes. 5. 27.

17 Ni tzo kuArkipu ni ti, A ku he-ke inkonzo o yamkeliswe eNkosini, u i gcine. Filemone 2. 1 Tim. 4. 6.

18 Hoku ukukonza ngesandhla samip-mina Paule. Kumbulani ukubotywa kwami. A ku be kini umusa. Ameni. 1 Kor. 16. 21. Heb. 13. 3.

INCWADI YOKUQALA KA PAULE UMPOSTOLI KWABA

## SETESALONIKA.

### ISAHLUKO 1.

**U**PAULE noSilvano noTimote, kulo ibandhla laba seTesalonika, eli ku-Tixo uYise, na kuyo iNkosi uJesu Kri-stu; a ku be kini umusa nokutula oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNko-si uJesu Kristu. 2 Kor. 1. 19. 2 Tes. 1. 1. Ef. 1. 2.

2 Si ya bongwa uTixo njalo ngani no-nye, si ni pata ekukulekeni kwetu; Ef. 1. 16. Filemone 4.

3 A si yeki ukukumbula umsebenzi wenu wokukolwa, nowotando, nokube-kezela kwetemba eNkosini yetu uJesu Kristu, pambi kuka Tixo uBaba wetu; isa. 2. 13. & 3. 6 John. 6. 29. Gal. 5. 6. 2 Tes. 1. 3. Heb. 6. 10.

4 Sazi, bazalwane abatangwayo uTixo, ukuketwa kwenu; Kol. 3. 12.

5 Ivangeli letu a li zanga kini ngezwi lodwa, kepa leza na ngamandhla; na ngoMoya o incwele, na ngokuqiniswa

okuningi, njengokuba nazi sa be si njani pakati kwenu ngenxa yenu.

1 Kor. 2. 4. 2 Kor. 6. 6. Heb. 2. 3. isa. 2. 10.  
2 Tes. 3. 7.

6 Na si lingisa tina neNkosi; namkela izwi ngokuhlupeka okukulu, kepa na tokoza ngoMoya o ingewele; 1 Kor. 4. 16.  
isa. 2. 14. 2 Tes. 3. 9. Imis. 5. 41.  
Heb. 10. 34.

7 Na ba izonibiso kubo bonke abakolwayo ba seMakedonia naba seAkaya.

8 Ngokuba izwi leNkosi a li menyezelwe inina eMakedonia na seAkaya kupela, kepa na sezindaweni zonke ku zwakele ukukolwa kwenu kuTixo, ku ze ku ti, si nga dingi ukutyo luto tina.  
Rome 1. 8. 2 Tes. 1. 4.

9 Ngokuba bona ba landisa ukungena kwetu kinina, ukuba kwa ku njani, nokuti, na shiya izitombe, na pendukela kuTixo, ukuba ni konze uTixo opilayo, o isiminya, isa. 2. 1. 1 Kor. 12. 2.

10 Ni hlalele iNdodana yake e za kuvela ezulwini, a i vusayo kwabafileyo, uJesu owa si kulula olakeni oluzayo.

Rome 2. 7. isa. 4. 16. & 5. 9. 2 Tes. 1. 7.  
Imis. 2. 24.

### ISAHLUKO 2.

**N**I yazi nina, bazalwane, ukungena kwetu kinina ukuti kwa ku nge ngeze. isa. 1. 9.

2 Kepa noma be si hlupekile, sa patwa kabi eFilipi, nani ni yazi, sa si nesibili ngoTixo wetu ukushumayela kini ivangeli lika Tixo ngokuqinisa okukulu. Imis. 16. 22. & 17. 2.  
isa. 1. 5. Fil. 1. 30. Kol. 2. 1.

3 Ukuyala kwetu a ku yanga ngokukohlisa, na ngamanyala, na ngobuqili: 2. Kor. 7. 2. 2 Pet. 1. 16.

4 Kepa loku si vuyelwe uTixo ukuba si tenjiswe ivangeli, njalo si ya shumayela; si ngenzi ukuba ku be kuhle kubantu, senza ku be kuhle kuTixo o linga izinhliziyu zetu. 1 Tim. 1. 12.  
Gal. 2. 7. Titusi 1. 3. Rome 8. 27.

5 Ngokuba a si zanga ngelizwi lokutoboza nakanye, nani ni yazi; a si zanga na ngecebo lokufisa; uTixo u ngufakazi: Imis. 20. 33. 2 Kor. 7. 2. Rome 1. 9.

6 Sa si nga funi ukudunyiswa kubantu, na kinina, na kwabanye, noma be si namandhla okunisinda, loku si ngabapostoli baka Kristu. John. 5. 41, 44.  
& 12. 43. 1 Kor. 9. 1, 4, 6, 12, 18.  
2 Kor. 2. 10. & 11. 19. 2 Tes. 3. 9.

Filemone 8. 2 Kor. 12. 13, 14. 2 Tes. 3. 8.

7 Kepa be si mnene pakati kwenu, njengomzanyana e pata kahle abantwana ba kwabo; 2 Tim. 2. 24.

8 Njalo, loku be si ni fisa, sa si kuhle ukuba si nga ni niki ivangeli lika Tixo lodwa, kepa si ni nike neni pefumlo yetu, ngokuba na ni ngabatandekayo kitina. 2 Kor. 12. 15.

9 Ni ya kumbula, bazalwane, ukukutala kwetu, nokusebenza oku buhlungu; sa si sebenza ebusuku na semini, ukuba si nga sindi muntu wa kini sa shumayela ivangeli lika Tixo. Imis. 20. 34.  
2 Tes. 3. 8. 2 Kor. 11. 9. & 12. 13, 14.

10 Nina ni ngofakazi, naye uTixo, bokuti, be si ingewele, si lungile, si nge nacala kinina enikolwayo;

isa. 1. 5. 2 Kor. 7. 2. 2 Tes. 3. 7.

11 Nani ni yazi ukuti, sa ni yala, si ni luleka, sa ni tyelisisa nonke ngabanye, njengoyise e yala abantwana bake,

12 Ukuba ni hambe ngokufanele uTixo, o ni bizela embusweni wake, na sebukosini bake. Ef. 4. 1. Fil. 1. 27.

isa. 4. 1. & 5. 24. 1 Kor. 1. 9. 2 Tes. 2. 14.

\* 13 Ngaloku a si yeki ukumbonga uTixo, ngokuba lapo na lamkela izwi lika Tixo, ena li zwa ngati, a ni lamkelanga izwi labantu; na lamkela izwi lika Tixo, njengokuba li ilo isibili, eli namandhla pakati kwenu, nina bakolwayo. isa. 1. 3. Gal. 4. 14.

14 Ngokuba nina, bazalwane, na ni ngabalingisayo amabandhla ka Tixo, a seJudia, a kuKristu Jesu; ngokuba nina na hlupeka kwaba kini iko loko, aba ku hlupekayo bona kubaJuda;

Gal. 1. 22. Imis. 17. 5, 13. Heb. 10. 33, 34.

15 Aba i bulala neNkosi uJesu, naba-profeti, ba si hlupa tina; abenzi okuhle kuTixo, be melana nabantu bonke;

Imis. 2. 23. & 3. 15. & 5. 30. & 7. 52.

Mat. 5. 12. Imis. 7. 52. Eset. 3. 8.

16 Ba si vimbela ukuba si nga ba shumayezi abezizwe, ba sindiswe, ukuze ba pelelise izono zabo njalo; behlelwa ulaka kwa za kwa ba sekupeleni.

Luk. 11. 52. Imis. 13. 50. & 14. 5, 19.

& 17. 5, 13. & 18. 12. & 19. 9. & 22. 21, 22.

Gen. 15. 16. Mat. 23. 32.

17 Kepa tina, bazalwane, sahlukene nani ngesikatyana, ngobuso, ku nge ngenhliziyu sa qinisa kakulu ukuba si bone ubuso benu ngokumxanela okukulu. 1 Kor. 5. 3. Kol. 2. 5. isa. 3. 10.

18 Ngako be si tanda futufuti ukuza kini, mina Paule, kepa uSatani wa si vimbela. Rome 1. 13. & 15. 22.

19 Ngokuba i lipi itemba letu, nokutokoza, nomqele wokuzincoma? a ku inina pambi kweNkosi yetu uJesu Kristu ekufikeni kwake na? 2 Kor. 1. 14.

Amazwi 16. 31. 1 Kor 15. 23. isa. 3. 13.  
Isam. 1. 7. & 22. 12.

20 Nina ni ngubukosi betu, nokutokoza kwetu.

ISAHLUKO 3.

**N**GAKOKE, lapo si nga se nakuzitulela, sa ti, kuhle, ukuba si shiywe sodwa eAtene; Imis. 17. 15.

2 Sa tuma uTimote, umzalwane wetu, isikonzi sika Tixo, isisebenzi kauye nati evangelini lika Kristu, ukuba a ni qinise, a ni luleke ngokukulwa kwenu;

3 Ku nga zanyazanyiswa muntu nga lezizinhlupeko; ngokuba nazi ukuti, si miselwe loku.

Rome 16. 21. 1 Kor. 16. 10. 2 Kor. 1. 19.

4 Ngokuba, msukwana si kona kini, sa ni tyela, sa ti, si ya kuhlupeka; nje-ngokuba kwenzekayo, nani ni yazi.

Imis. 20. 24.

5 Ngaloku, lapo ngi nga se nakuzitulela, nga tuma, ukuba ngi kwazi ukukulwa kwenu, nga ti, mhlaumbe umlingi e ni lingile, ukukulala kwetu ku be ize.

1 Kor. 7. 5. 2 Kor. 11. 3. Gal. 2. 2. & 4. 11.  
Fil. 2. 16.

6 Kepa kaloku, uTimote e se buyele kitina e vela kini, e si tyelile izindaba ezinhle zokukulwa nokutanda kwenu, ngokuti ni si kumbula kahle njalo, ni fisa ukusibona tina, njengati si fisa ukubona nina.

Imis. 18. 1, 5. Fil. 1. 8.

7 Ngaloku, bazalwane, si tokoziswe ngani ekudingeni konke, na sekuhlupakeni kwetu ngokukulwa kwenu.

2 Kor. 1. 4. & 7. 6, 7, 13.

8 Ngokuba kaloku si ya pila, uma nina ni mi ni qinile eNkosini. Fil. 4. 1.

9 Ngokuba si nga m nika uTixo ukubonga kuni ngani, ngokutokoza konke esi tokoza ngako, ngenxa yenu pambi kuka Tixo wetu na? isa. 1. 2.

10 Ebusuku na semini si nxusa kakulu, ukuba si bone ubuso benu, si feze oku sileleyo ekukolweni kwenu.

Imis. 26. 7. 2 Tim. 1. 3. Rome 1. 10.  
isa. 2. 17. 2 Kor. 13. 9, 11.

11 Kepa yena uTixo, uBaba wetu, neNkosi yetu uJesu Kristu, ka si qondise indhlela si ze kini. Mark 1. 3.

12 iNkosi a i nenze nande, ni vame ukutandana, nokubatanda abantu bonke, njengati si vama ukunitanda nina; isa. 4. 9, 10. & 5. 15.

13 Ukuze i qinise izinhliziyu zenu zinge nacala ebungweleni pambi kuka Tixo uBaba wetu, ekufikeni kweNkosi yetu uJesu Kristu kanye nabangewele bonke bake. 1 Kor. 1. 8. Fil. 1. 10.

isa. 5. 23. 2 Tes. 2. 17. Jude 14.

ISAHLUKO 4.

**K**EPA, bazalwane, si ya ni ncenga, si ni yala ngeNkosi uJesu, ngokuti, njengokuba ni zwile ngati ukuhamba okunifaneleyo, nokuba nenze okuhle kuTixo, a ni vame nokuvama loko.

isa. 2. 12. Kol. 1. 10. & 2. 6.

2 Ni yazi imiyalo leyo, esa ni nika yonangayo iNkosi uJesu.

3 Iloku ku intando ka Tixo, ukuti, ubungewele benu, ukuba ni dele ubufebe;

Rome 12. 2.  
1 Cor. 6. 18. Ef. 5. 3, 17, 27.

4 Ilowo wa kini azi ukuzuzisa isitya sake a si pate ngobungewele na ngokufaneleyo. Rome 6. 19.

5 A nga kanuki okwamanyala, nje-ngabezizwe aba nga m aziyo uTixo;

Kol. 3. 5. Ef. 4. 17, 18. 1 Kor. 15. 34.  
2 Tes. 1. 8.

6 A nga kohlisi one umfo wabo ngaluto; ngokuba iNkosi i ngumpindiseli kwabanjalo bonke, njengokuba kade sa ni tyela sa qinisa. Levi 19. 11, 13.

2 Tes. 1. 8.

7 Ngokuba uTixo ka si bizelanga ebubini, u si bizile si be ngewele.

Levi 11. 44. & 19. 2. Heb. 12. 14.  
1 Pet. 1. 14, 15.

8 Ngalokoke o delayo, ka deli muntu, u dela uTixo, yena o si nikelayo uMoya wake o ingewele. Luk. 10. 16. 1 John. 3. 24.

9 Kepa ngokutandana kwabazalwane, a ngi dingi ukuba ngi lobe kini; ngokuba nina ni fundiswa uTixo ukuba ni tandane. isa. 5. 1. Jer. 31. 34. John. 6. 45. & 13. 34. & 14. 26. Heb. 8. 11. Mat. 22. 39.

Ef. 5. 2.

10 Ni ya kwenza njalo kubo bonke abazalwane aba sezweni lonke la seMakedonia; kepa si ya ni ncenga, bazalwane, ukuba ni vame nokuvama;

isa. 1. 7. & 3. 12.

11 Ni zame ukutula, ku be ilowo enze okwake, a sebenze ngezandhla zake, njengokuba sa ni yala; 2 Tes. 3. 11.

1 Pet. 4. 15. Ef. 4. 23.

12 Ukuba ni hambe ngokufaneleyo kwabangapandhle, ni nga ntuli luto.

Rome 13. 13. 2 Kor. 8. 21. Kol. 4. 5.  
1 Pet. 2. 12.

13 Kepa a ngi tandi, bazalwane, ukuba ni nga bi nakwazi ngabaleleyo, ukuzi ni nga dabuki njengabanye aba nge natamba. Levi 19. 28. Dut. 14. 1, 2.

2 Sam. 12. 20. Ef. 2. 12, 18, 23.

14 Ngokuba uma si kolwa ukuti, uJesu wa fa, wa vuka, njalo nabaleleyo ngoJesu, uTixo u ya kubazisa kanye naye. 1 Kor. 15. 13. isa. 3. 13.

15 Si tyo loku kini ngezwi leNkosi, ukuti, tina esi ya kuba kona, si sele ekufikeni kweNkosi, a si yi kwandulela abaleleyo. 1 Am. 13. 17. & 20. 35. 1 Kor. 15. 51.

16 Ngokuba iNkosi uqobo i ya kwelha ezulwini ngokuhlokoma, na ngezwi lengelosi enkulu, na ngetilongo lika Tixo; abafileyo aba kuKristu ba ya kuvuka kuqala; Mat. 24. 30, 31. Imis. 1. 11. 1 Kor. 15. 23, 52.

17 Kona tina esi ya kuba kona, si sele so hlwitwa kanye nabo emafwini, si yo kuhlangabeza iNkosi pezulu; ku njalo si ya kuba kuyo iNkosi ngezikati zonke. 1 Kor. 15. 51. Imis. 1. 9. Isam. 11. 12. John. 12. 26.

18 Ngako tokozisanani ngalamazwi. isa. 5. 11.

### ISAHLUKO 5.

**K**EPAKE ngemizuzu na ngezikati, bazalwane, a ni swele ukuba ngi ni lobebe. Mat. 24. 3, 36. Imis. 1. 7.

2 Ngokuba 'nazisisa nina, ukuti, usuku lweNkosi lu ya kufika njengesela li fika ebusuku. Mat. 24. 43. Luk. 12. 39. 2 Pet. 3. 10. Isam. 3. 3.

3 Nxa be ti, ku ukutula nokubusa, konake ukubujiswa ku ya kubazuma, njengobuhlungu bu zuma okulelweyo; a ba yi kupepa. Isai. 13. 8. Luk. 21. 34. 2 Tes. 1. 9. Hos. 13. 13.

4 Kepa nina, bazalwane, a ni sebunyamani, ukuba lolusuku lu ni zume njengesela. Rome 13. 12, 13. 1 John. 2. 8.

5 Ngokuba nina nonke ni ngabantwana bokukanya, ni ngabantwana ba semini; a si sibo abobusuku nabobunyama. Ef. 5. 8.

6 Ngako a si nga lali njengabanye; a si linde, si qonde. Mat. 24. 42. & 25. 5, 13. Rome 13. 11-13.

7 Abalalayo ba lala ebusuku; nabadakwayo ba dakwa ebusuku. Luk. 21. 34, 36. 1 Kor. 15. 34. Ef. 5. 14. Imis. 2. 15.

8 Kepa tina esi ngaba semini, a si qonde, si fake isigcino sesifuba sokukulwa

nesokutanda, nesigqoko esi itemba lokusindiswa. Isai. 59. 17. Ef. 6. 14, 16, 17.

9 Ngokuba uTixo ka si miselauga ukulahlwa, u si misele ukusindiswa ngayo iNkosi yetu uJesu Kristu,

Rome 9. 22. isa. 1. 10. 1 Pet. 2. 8.

2 Tes. 2. 14.

10 Owa si fela tina, ukuba si pile kanye naye, noma si kona, noma si lala.

Rome 14. 8, 9.

11 Ngako a ni tokozisane, nakelane, njengenikwenzayo. isa. 4. 18.

12 Kepa si ya ni ncenga, bazalwane, ukuba ni bazi abasebenzayo pakati kwenu, abemiyo pezu kwenu eNkosiini, abanilulekayo;

13 Ni ba tande kakulu ngemisebenzi yabo: a ku be ukutula pakati kwenu.

Mark 9. 50.

14 Si ya ni ncenga, bazalwane, lulekani abedukileyo, ni ba tokozise aba pela mandhla, ni ba sekele aba butakataka, ni bekezele kubo bonke. 2 Tes. 3. 11.

Rome 15. 1. Gal. 5. 22.

15 Bhekani ukuba ku nga bi ko opindiselayo kumuntu ngokubi, ngenxa yokubi; kepa landani njalo okulungileyo, omunye komunye, na kubo bonke.

Levi 19. 18. Amazwi 20. 22. Mat. 5. 39.

Rome 12. 17. 1 Pet. 3. 9. Gal. 6. 10.

isa. 3. 12.

16 Tokozani njalo. Fil. 4. 4.

17 Ni kuleke, ni nga pezi. Luk. 18. 1. Rome 12. 12. 1 Pet. 4. 7.

18 Ni bongwe ngako konke; ngokuba loku ku intando ka Tixo kuKristu ngani. Ef. 5. 20.

19 Ni nga m cimi uMoya. Ef. 4. 30. 1 Tim. 4. 14. 2 Tim. 1. 6.

20 Ni nga ku deli ukuprofeta:

1 Kor. 14. 1, 39.

21 Hlolani konke, ni bambisise okulungileyo. 1 Kor. 2. 11, 15. 1 John. 4. 1.

Fil. 4. 8.

22 Dedani kuzo zonke izinhlobo zokubi. isa. 4. 12.

23 uTixo wokutula, yena uqobo a ka nenze ni be ngewele impela; ku londolozwe umoya wenu wonke, nompefumlo, nomzimba, ku nga bi nacala ekufikeni kweNkosi yetu uJesu Kristu.

Fil. 4. 9. isa. 3. 13.

24 U tembekile yena o ni bizayo; u ya kwenza yena. 2 Tes. 3. 3.

25 Bazalwane, si kulckeleni.

2 Tes. 3. 1.

26 Bingelani abazalwane bonke ngokwangu okungewele. Rome 16. 16.



27 Ngi ya ni fungisa iNkosi, ukuba le-  
newadi i fundwe kubo bonke abazalwa-  
ne abangewele. Kol. 4. 16. 2 Tes. 3. 14.

28 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu  
a u be kinina. Amen. Rome 16. 20, 24.  
2 Tes. 3. 18.

INCWADI YESIBILI KA PAULE UMPOSTOLI KWABA

SETESALONIKA.

ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, noSilvano, noTimote, kulo  
ibandhla laba seTesalonika, eli ku-  
Tixo uBaba wetu, na kuyo iNkosi uJesu  
Kristu; 2 Kor. 1. 19. 1 Tes. 1. 1.

2 A ku be kini umusa, nokutula, oku-  
vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNko-  
si uJesu Kristu. 1 Kor. 1. 3.

3 Nga si m bongwa uTixo njalo ngani  
bazalwane, njengokufaneleyo, ngokuba  
ukukulwa kwenu kwandile kakulu, ku  
vamile ukutandana kwenu nonke;

1 Tes. 1. 2, 3. Isa. 2. 19.

4 Ku ze ku ti si zincome ngani ema-  
bandhleni ka Tixo, ngenxa yokubeke-  
zela kwenu, nokukulwa kwenu ekuzi-  
ngelweni konke kwenu, na sekuhlupе-  
keni, eni bekezela kuko;

2 Kor. 7. 14. & 9. 2. 1 Tes. 1. 3. & 2. 14, 19.

5 Oku ukubonakalisa ukwahlula oku-  
lungileyo kuka Tixo, ku ze ku tiwe ni  
fanele umbuso ka Tixo, eni hlupеka  
ngawo; Fil. 1. 23.

6 Loku ku lungile kuTixo ukubabela  
abanihlupayo ukuhlupеka; Isam. 6. 10.

7 Nokunika nina enihlupеkayo uku-  
pumula kanye nati, ekubonakaleni kwe-  
Nkosi uJesu Kristu, i vela ezulwini ka-  
nye nezingelosi zamandhla ake,  
Isam. 14. 13. 1 Tes. 4. 16.

8 Elangabini lomlilo, e pindisela kwa-  
ba nga m aziyo uTixo, naba nga laleli  
ivangeli leNkosi uJesu Kristu;

Heb. 10. 27. & 12. 29. 2 Pet. 3. 7. Isam. 21. 8.

1 Tes. 4. 5. Rome 2. 8.

9 Aba za ku lahlwa ngokubujiswa  
okupakade, be nga bi ko ebusweni be-  
Nkosi, na sebukosini bamandhla ayo;

Fil. 3. 19. 2 Tes. 3. 7. Isai. 2. 19. isa. 2. 8.

10 Nxa i zayo i duniyiswe ngaba-  
ngewele bayo, i batyazwe ngabakolwayo  
bonke, (ngokuba ukuzinisa kwetu kwa  
koleka kini), nga lomhla.

Izihl. 68. 35. & 89. 7.

11 Ngaloko si ya ni kulekela njalo, a  
ze a tyo uTixo wetu ni fanele ukubizwa,

a feze ngamandhla intando yonke yake  
yokulunga, nomsebenzi wokukulwa;

1 Tes. 1. 3.

12 Ukuze igama leNkosi yetu uJesu  
Kristu li duniyiswe kini, nani kuyena,  
njengomusa ka Tixo wetu, neNkosi  
uJesu Kristu. 1 Pet. 1. 7. & 4. 14.

ISAHLUKO 2.

**K**EPA, bazalwane, ngokufika kwe-  
Nkosi yetu uJesu Kristu, na ngoku-  
butana kwetu kuyo, si ya ni ncenga,

Mat. 24. 31. Mark 13. 27. 1 Tes. 4. 16, 17.

2 Ukuba ni nga tyetyi ni zanyazanyi-  
swe enhliziyweni, ni ngetuswa na ngo-  
moya, na ngezwi, na ngencwadi, ngo-  
kungati i vela kitina, ku ngukuti usuku  
lweNkosi lu sondele.

Mat. 24. 4. 1 John. 4. 1.

3 A ku nga biko muntu o ni kohlisayo  
ngandawo; ngokuba a li yi ku fika,  
uma ku nga ka fiki kuqala ukuhlu-  
buka, a bonakaliswe umuntu wesono,  
umntwana wokulahlwa; Ef. 5. 6.

1 Tim. 4. 1. Dan. 7. 25. 1 John. 2. 18.

John. 17. 12.

4 O pikayo, o zipakamisayo ku nako  
konke oku tiwa uTixo, nokuduniyiswa-  
yo; a ze a hlale yena etempelini lika  
Tixo, ngokungati e nguTixo, e zityaya  
uTixo. Isai. 14. 13. Hez. 28. 2, 6, 9.

Dan. 7. 25. & 11. 36. 1 Kor. 8. 5.

5 A ni kumbuli ini ukuti, lapo ngi  
kona kini, nga ni tyela loku?

6 Na manje ni ya kwazi okuvimbela-  
yo, a ze a bonakaliswe ngesikati sake.

7 Ngokuba imfihlakalo yokonakala i  
ya sebenza namanje; kodwa ku kona  
o vimbelayo a ze a nga be sa ba ko.

1 John. 2. 18. & 4. 3.

8 Kona u ya kubonakaliswa lowo  
omubi, e ya kumqeda iNkosi uJesu ngo-  
moya womlomo wayo, i m cite ngokubo-  
nakala kokufika kwayo; Dan. 7. 10, 11.

Jobe 4. 9. Isai. 11. 4. Isam. 2. 16.

& 19. 15, 21. isa. 1. 9.

## II. ABASETESALONIKA, 3.

9 Ukuti lo ukufika kwake ku njengokusebenza kuka Satani, ngamandhla onke, na ngezibonakaliso, na ngemimangalisio yamanga, John. 8. 41.

Ef. 2. 2. Dut. 13. 1. Mat. 24. 24.

10 Na ngokukohlisa konke kububi kwababubayo; ngokuba be ngamkelanga ngatando lweqiniso, ukuba ba sindiswe. 2 Kor. 2. 15.

11 Ngaloku uTixo u ya kubatumela imisebenzi emikulu edukisayo, ba ze ba kolwe amanga; Rome 1. 24.

1 Ama. 22. 22. Hez. 14. 9. Mat. 24. 5, 11.  
1 Tim. 4. 1.

12 Ba lahlwe bonke aba nga kolwa iqiniso be tokoza ngokungalungi.

Rome 1. 32.

13 Kepa tina nga si m bonga uTixo njalo ngani, bazalwane abatandiweyo iNkosi, ngokuba uTixo wa ni ketela ukusindiswa ekuqaleni, ngokuhlaza kuka Moya, no ngokulwa iqiniso;

isa. 1. 3. 1 Tes. 1. 4. Ef. 1. 4. Luk. 1. 75.  
1 Pet. 1. 2.

14 A ni bizele kuko ngevangeli letu, ni ze ni zuze ubukosi buka Jesu Kristu iNkosi yetu.

John. 17. 22. 1 Tes. 2. 12. 1 Pet. 5. 10.

15 Ngako, bazalwane, qinिसani, ni geine imiyalo ena fundiswa, nokuba ku ngezwi letu, nokuba ku ngenewadi yetu.

Fil. 4. 1. 1 Kor. 11. 2. & 16. 13. isa. 3. 6.

16 uJesu Kristu iNkosi yetu, yena, noTixo uBaba wetu owa si tanda, wa si nika ngomusa ukutokoza okupakade, netemba elilungileyo. isa. 1. 1, 2.

1 John. 4. 10. Isam. 1. 5. 1 Pet. 1. 3.

17 Ka zi tokozise izinhliziyu zenu, a ni qinise emazwini onke, na semisebenzini elungileyo.

1 Kor. 1. 8. 1 Tes. 3. 13. 1 Pet. 5. 10.

### ISAHLUKO 3.

**K**EPa, bazalwane, si kulekeleni, ukuba izwi leNkosi li kauleze, li duniyswe, njengokuba li duniyswa kinina;

Ef. 6. 19. Kol. 4. 3. 1 Tes. 5. 25.

2 Si ze si kululwe kubantu abedukileyo nababi; ngokuba be nge nakukulwa bonke. Imis. 23. 24. Rome 10. 16. & 15. 31.

3 Kepa iNkosi i kolekile, e za kuniqinisa, i ni geine eububini. 1 Kor. 1. 9.  
1 Tes. 5. 24. John. 17. 15. 2 Pet. 2. 9.

4 Si yetemba iNkosi ngani, si ti, loku esi ni yala ni sa kwenza, ni ya kukwenza. 2 Kor. 7. 16. Gal. 5. 10.

5 iNkosi a i qondise izinhliziyu zenu otandweni luka Tixo, na sekubekezeleni kuka Kristu.

1 Kron. 29. 18. 1 Tes. 1. 3.

6 Si ya ni yala, bazalwane, ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu, ukuba nahlukane nabazalwane bonke aba hamba kabi, be nga hambi ngeniyalo ena i zwa ngati. Rome 16. 17. 1 Tim. 6. 5.

1 Kor. 5. 11. 1 Tes. 4. 11. & 5. 14. isa. 2. 15.

7 Ni yazi nina, ku fanele ni lingise tina; ngokuba a si hambanga kabi pakati kwenu;

1 Kor. 4. 16. & 11. 1. 1 Tes. 1. 6, 7. & 2. 10.

8 A si dhlanga ukudhla komuntu ngeze; kepa sa sebenza emini na sebusuku ngokuqinisa na ngokukutala, ukuba si nga sindi muntu wa kuni;

Imis. 18. 3. & 20. 34. 2 Kor. 11. 9.

1 Tes. 2. 9.

9 A senzanga ngokuba be si nge namandhla, senza ukuba si be isiboniso kinina, ni ze ni si lingise.

1 Kor. 9. 6. 1 Tes. 2. 6.

10 Lapo si se kona kini sa ni yala loku, ukuti, uma umuntu e nga vumi ukusebenza, a ka nga dhli.

Gen. 3. 19. 1 Tes. 4. 11.

11 Si zwile ku tiwa, ba kona abatile pakati kwenu abahamba kabi, be nga sebenzi luto, ba hlola okwabanye.

1 Tes. 4. 11. 1 Tim. 5. 13. 1 Pet. 4. 15.

12 Abanjalo si ya ba yala, si ba ncenge ngeNkosi yetu uJesu Kristu, ukuba ba sebenze ngokutula, ba dhle okwabo ukudhla. 1 Tes. 4. 11. Ef. 4. 28.

13 Kepa nina, bazalwane, a ni nga katali ukwenza okulungileyo. Gal. 6. 9.

14 Uma e kona umuntu o nga laleli izwi letu nga lenewadi, m bhekisiseni lowo, ni nga hlangani naye, a ze a be namahloni.

Mat. 18. 17. 1 Kor. 5. 9, 11.

15 Kodwa ni nga ni patisi okwesita; ni m luleke ngokomzalwane.

Levi 19. 17. 1 Tes. 5. 14. Titusi 3. 10.

16 iNkosi yokutula a i ni nike ukutula njalo ngendawo zonke iNkosi a i be kinina nonke.

Rome 15. 33. 1 Kor. 14. 33. 1 Tes. 5. 23.

17 Ukukonza kwami, mina Paule, ngesandhla sami, isi isiboniso ezincwadini zonke; ku njalo ukuloba kwami.

1 Kor. 16. 21. Kol. 4. 18.

18 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be kinina nonke. Amenii.

Rome 16. 24.

# KUTIMOTE.

## ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, umpostoli ka Jesu Kristu, ngomyalo ka Tixo umSindisi wetu, noKristu Jesu, o itemba letu; Gal. 1. 1. isa. 2. 3. & 4. 10. Titusi 1. 3. Kol. 1. 27.

2 KuTimote, umntanami ngokukolwa; a ku be kuye umusa, nesihau, nokutula, oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuKristu Jesu iNkosi yetu.

Imis. 16. 1. 1 Kor. 4. 17. Titusi 1. 4. 2 Tim. 1. 2.

3 Yenza njengokuba nga ku ncenga, u hlale Efesu, ngi sa ya eMakedonia, ukuze u ba yale abatile ba nga fundisi okunye. Fil. 2. 24. Gal. 1. 6, 7. isa. 6. 3.

4 Ba nga laleli izinganekwane, nezincwadi zokuzalwa ezi nge nakupela, ezi banga inkani ku nokokwakiwa uTixo oku ngokukolwa.

isa. 4. 7. & 6. 4. 2 Tim. 2. 14, 23. Titusi 1. 14. & 3. 9.

5 Kepa ukugcina komyalo ku ukutanda oku vela enhliziyweni emhlope, na sekwazini okulungileyo, na sekukolweni oku nge nakuzenzisa;

Rome 13. 10. Gal. 5. 14. 2 Tim. 2. 22.

6 Abanye beduka kuloku, ba cezukele ekukulumeni oku ize; isa. 6. 20.

7 Be funa ukuba ba be abafundisi bomteto, be nga kwazi aba ku tyoyo, naba ku qinisayo. isa. 6. 4.

8 Kepa si yazi umteto u lungile, uma umuntu e hamba ngomteto; Rome 7. 12.

9 E kwazi loku, ukuti, umteto a u miselwe olungileyo, u miselwa aba nge namteto, nabangalaleliyo, nabangakonziyo, nabonayo, nabangahlanzekiyo, nabahlekisayo, nababulala oyise, nababulala onina, nababulala abantu,

Gal. 3. 19. & 5. 23.

10 Nezifebe, nabesilisa aba hlobonga abesilisa, nabatengisa ngabantu, naba namanga, nabaqinisa manga, noma ku kona okunye oku pambene nokufundisa okulungileyo;

isa. 6. 3. 2 Tim. 4. 3. Titusi 1. 9. & 2. 1.

11 Njengokwevangeli lobukosi lika Tixo o bongekayo, engi tenjiswe lona. isa. 6. 15. 1 Kor. 9. 17. Gal. 2. 7. isa. 2. 7.

Titusi 1. 3.

12 Ngi ya m bonga uKristu Jesu

iNkosi yetu, o ngenzele amandhla, ngokuba wa e ti ngi kolekile, wa ngi beka enkonzweni;

1 Kor. 7. 25.

2 Kor. 3. 6. & 4. 1. & 12. 9. Kol. 1. 25.

13 Mina e kade ngi ngotukayo, nozingelayo, nohlupayo; kepa nga haukelwa, ngokuba nga ngi kwenza ngokungazi, ngi nga kolwa;

Imis. 8. 3.

Luk. 23. 34. John. 9. 39. Imis. 3. 17.

& 26. 9.

14 Umusa weNkosi yetu wa vama kakulu, kanye nokukolwa nokutanda oku kuKristu Jesu.

Rome 5. 20.

1 Kor. 15. 10. 2 Tim. 1. 13. Luk. 7. 47.

15 Li iqiniso lelizwi, li fanele ukubongwa nokubongwa, lokuti, uKristu Jesu weza emhlabeni ukusindisa izoni, engi isikulu kuzo. isa. 3. 1. & 4. 9. 2 Tim. 2. 11.

Titusi 3. 8. # Mat. 9. 13. Mark. 2. 17.

Rome 5. 8. 1 John. 3. 5.

16 Kepa nga haukelwa nga loku, ukuba uJesu Kristu a bonise ngami, engi isoni esikulu, ukubekezela konke, ngi be isiboniso kwaba za kukolwa uye, ba ze ba be nokupila okupakade.

2 Kor. 4. 1. Imis. 13. 39.

17 Kuyo iNkosi emiyo pakade, engabubiyo, engabonwayo, uTixo yedwa, a ku be udumiso nobukosi, ku ze ku be pakade. Ameni. Izihl. 10. 16.

Dan. 7. 14. isa. 6. 16. Rome 1. 23. & 16. 27.

John. 1. 18. Heb. 11. 27. Jude 25.

1 Kron. 29. 11.

18 Lomyalo ngi ya u nika wena, Mntanami Timote, njengokuprofetiweyo pambili ngawe ukuba u lwe ukulwa okulungileyo ngako;

2 Tim. 2. 2.

isa. 4. 14. & 6. 12, 13. 2 Tim. 2. 3. & 4. 7.

19 U be nokukolwa, nenhliziyo emhlope, aba i lahlile abanye, ba felwa ukukolwa;

isa. 3. 9. & 6. 9.

20 Aba kubona oHumenio noAlesando, engi ba nike kuSatani, ba fundiswe ukuba ba nga tuki.

2 Tim. 2. 17.

& 4. 14. 1 Kor. 5. 5. Imis. 13. 45.

## ISAHLUKO 2.

**K**UQALA kuko konke ngi ya yala, ukuba ukucela, nokunxusa, nokukuleka, nokubonga, kwenzelwe abantu bonke:

2 Amakosi, nabo bonke aba izikulu; ukuze si hlale kahle si be nokutula, ngako konke ukuluunga nobuqoto.

Ezra 6. 10. Jer. 29. 7. Rome 13. 1.

3 Ngokuba loku kuhle, ku ya bongeka ebusweni bomSindisi wetu uTixo, Rome 12. 2. isa. 1. 1. & 5. 4. 2 Tim 1. 9.

4 O tanda ukuba abantu bonke ba sindiswe, ba lazi iqiniso. Hez. 18. 23.

John. 3. 16, 17, & 17. 3. Titusi 2. 11.

2 Pet. 3. 9. 2 Tim. 2. 25.

5 Ngokuba munye uTixo, munye umLamuli pakati kuka Tixo nabantu, uye lomuntu uKristu Jesu,

Rome 3. 30. Gal. 3. 20. Heb. 8. 6. & 9. 15.

6 Owa zinika yena a be isihlailalo sabo bonke, isiqiniso ezikatini ezifaneleyo;

Mat. 20. 28. Ef. 1. 7. Titusi 2. 14.

1 Kor. 1. 6. 2 Tes. 1. 10. || Rome 5. 6.

Gal. 4. 4. Ef. 1. 9. & 3. 5.

7 Enga bekwa ummemezi nompostoli waso (ngi tyo iqiniso, a ngi qambi manga), umfundisi wabezizwe ngokukolwa na ngeqiniso.

Ef. 3. 7, 8.

2 Tim. 1. 11. Rome 9. 1. & 11. 13. & 15. 16.

Gal. 1. 16.

8 Ngako ngi ya tanda ukuba amadoda a kuleke ezindaweni zonke, e pakamisa izandhla ezimhlope, e nge nalulaka nankani.

Mal. 1. 11.

John. 4. 21. Izihl. 134. 2. Isai. 1. 15.

9 Njalo abesifazana a ba hlobe ngezinguvo ezifaneleyo, ba be nokuhlonipa nokuqonda, be nga hlobi ngezinwele ezalukiweyo, na ngegolide na ngamaparele na ngezingubo ezi nentengo enkulu;

1 Pet. 3. 3.

10 A ba hlobe ngemisebenzi emihle; loku ku fanele abesifazana aba tyoyo be ti, ba ngabanikonzayo uTixo.

11 Owesifazana ka funde, e nokutula nokulalela kahle.

12 Kepa a ngi m vumeli owesifazana a fundise, a be namandhla pezu kwendoda; ka hlale a be nokutula.

1 Kor. 14. 34. Ef. 5. 24.

13 Ngokuba uAdamu wa datyulwa kuqala, andu kudatyulwa uEva.

Gen. 1. 27. & 2. 18, 22. 1 Kor. 11. 8, 9.

14 Futi uAdamu ka kohliswanga, kodwa owesifazana, e kohliswa, weqa umteto.

Gen. 3. 6. 2 Kor. 11. 3.

15 Kepa u ya kusindiswa ngokuzala abantwana, uma be hlala ngokukolwa, na ngokutanda, na ngobungewele, na ngokuqonda.

ISAHLUKO 3.

LELIZWI li qinisile, lokuti, uma umuntu e fisa ukubekwa umbonisi, u ya nxanela umsebenzi omuhle.

isa. 1. 15. Imis. 20. 28. Fil. 1. 1. Ef. 4. 12.

2 Ku fanele umbonisi a be ongasolekiyo, indoda e nomfazi munye, ebhekisisayo, eqondileyo, e hamba ngokufaneleyo, e pata kahle abapambukeleyo, efundisayo, Titusi 1. 6. Isa. 5. 9. 2 Tim. 2. 24.

3 E nga bi isidakwa, e nga bi uhlanga; e nga bi umfisi kepa emnene, e nga xabani, e nga nxaneli imali;

2 Tim. 2. 24. 1 Pet. 5. 2.

4 E mela kahle indhlu yake, abantwana bake be m lalala, be nokuhlonipa kahle;

5 (Ngokuba uma umuntu e ngazi ukumela eyake indhlu, a nga gcina kanjani ibandhla lika Tixo.)

6 A nga bi e sandu kukolwa, funa a zikukumeze, ehlelwe ukulahlwa kuka Satani.

Isai. 14. 12.

7 Ku m fanele futi ukuba a tuswe aba ngapandhle, funa ehlelwe ukutukwa nesihibe sika Satani.

Imis. 22. 12.

1 Kor. 5. 12. 1 Tes. 4. 12. isa. 6. 9. 2 Tim. 2. 26.

8 Ku njaloke nezikonzi, ku zi fanele zi be abahlonipekayo, zi nge nakukuluma okubili, zi nga bi izidakwa, zi nga fisi imfuyo embi;

Imis. 6. 3. Levi 10. 9.

Hez. 44. 21.

9 Zi bambisise imfihlakalo yokukolwa ngenhliziyo emhlope.

isa. 1. 19.

10 A zi lingwe kuqala, zandu kubekwa izikonzi, zi nge nansolo.

11 Ku njalo nomkabo, ku ba fanele ba be abahlonipekayo, be nga bi abahlebayo, be ngabaqondayo, abakolekayo ngako konke.

Titusi 2. 3.

12 Izikonzi a zi be amadoda a nabafazi ngabanye, zi mela kahle abantwana bazo nezindhlu zazo.

13 Ngokuba aba izikonzi ezi konzile kahle, ba zenzela ukuma okuhle, nesibindi esi kulu ekukolweni oku kuKristu Jesu.

Mat. 25. 21.

14 Ngi ku lobela loku, ngetemba ngo ze ngi fike kuwena masinyane;

15 Kepa, uma ngi libele, ukuze wazi ukuhamba oku ku fanele endhlini ka Tixo, e ibandhla lika Tixo opilayo, e insika nesisekelo seqiniso.

Ef. 2. 21, 22. 2 Tim. 2. 20.

16 Ku vunyelwa ukuti, inkulu imfihlakalo yokukonza, uTixo wa bonakala ngenyama, wa duniyiswa uMoya, wa bonwa izingelosi, wa shunyayelwa ezi-

zweni, wa koleka emhlabeni, wamkelwa pezulu ebukosini. John. 1. 14.

1 John. 1. 2. Mat. 3. 16. John. 1. 32, 33. & 15. 26. & 16. 8, 9. Rome 1. 4. 1 Pet. 3. 18. 1 John. 5. 6. || Mat. 28. 2. Mark. 16. 5. Luk. 2. 13. & 24. 4. John. 20. 12.

1 Pet. 1. 12. || Imis. 10. 34. & 13. 46, 48.

Rome 10. 18. Ef. 3. 5-10. isa. 2. 7.

Kol. 1. 6, 23, 27. Luk. 24. 51. Imis. 1. 9.

1 Pet. 3. 22.

#### ISAHLUKO 4.

**K**EPA uMoya u tyo ngokupimisela, u ti, ngezikati zokugecina, abanye ba ya kuhlubuka ekukolweni, ba lalele omya abedukisayo, nokufundisa kwamadomone; John. 16. 13. 1 Tes. 2. 3.

2 Tim. 3. 1. 2 Pet. 3. 3. 1 John. 2. 18.

Jude 4, 18. || 1 Pet. 1. 20. Dan. 11. 37.

Isam. 9. 20. & 16. 14.

2 Ngokukohlisa kwaba kuluma manga, aba tyisisiweyo enhliziyweni yabo; Rome 16. 18. 2 Pet. 2. 3. Ef. 4. 19.

3 Be nqabela ukuganana; be yala ukuba ku nga dhliwa ukudhla, a kwenzayo uTixo ukuba kwamkelwe ngokubonga ibo abakolwayo, be lazi iqiniso. Kol. 2. 20, 21. Heb. 13. 4. Rome 14. 3, 17.

1 Kor. 8. 8. Gen. 1. 29. & 9. 3. Rome 14. 6.

4 Ngokuba konke okudatyulwa uTixo kuhle; a ku ko luto lokudelwa, ku kwamkelwa ngokubonga; Rome 14. 14, 20.

5 Ngokuba kwenziwa kuhle ngezwi lika Tixo, na ngokukuleka.

6 Uma u ba kumbuza abazalwane loku, u ya kuba isikonzi esilungileyo sika Jesu Kristu, wondhliwa ngamazwi okukolwa; nawokufundisa okuhle, o ku qondileyo. 2 Tim. 3. 14, 15.

7 Kodwa u dele izinganekwane zabantu, ezi ize; u sebenze umsebenzi wokonzakona uTixo. isa. 1. 4. & 6. 20.

2 Tim. 2. 16, 23. & 4. 4. Titusi 1. 14.

Heb. 5. 14.

8 Ngokuba ukusebenza umsebenzi wozimba ku siza incozana; kepa ukukonza ku siza indawo zonke; u tembisa ukupila kwamanje nokuzayo.

Kol. 2. 23. isa. 6. 6. Izihl. 37. 4. & 84. 11. & 112. 2, 3. & 145. 19. Mat. 6. 33. Mark. 10. 30.

9 Li iqiniso lelizwi, li fanele ukubongwa nokubongwa. isa. 1. 15.

10 Ngaloku si ya sebenza, si tukwa, ngokuba si m etemba uTixo opilayo, o ngumSindisi wabantu bonke, kakulu wabakolwayo. 1 Kor. 4. 12.

isa. 6. 17. Izihl. 36. 6. & 107. 2, 6.

11 Yala loku, u ku fundise. isa. 6. 2.

12 A ku nga bi ko umuntu o delayo ubutya bako; u be umboniso wabakolwayo, ngezwi, na ngokuhamba, na ngokutanda, na ngokukolwa, na ngobumhlope.

1 Kor. 16. 11. Titusi 2. 7. 1. Pet. 5. 3.

13 Bambelela ekufundeni, na sekukulekeni, na sekufundiseni, ngi ze ngi fike. 14 U niga kohlwa isipiwo esi kuwe, esa nikwa kuwe ngokuprofeta, na ngokubekwa kwezandhla zamalunga.

15 Qonda lezizinto, u bambelele kuzo, ku ze ku be sobala kubo bonke ukuqubeka kwako. isa. 1. 18. & 5. 22.

Imis. 6. 6. & 8. 17. & 13. 3. & 19. 6.

2 Tim. 1. 6.

16 U ziqapele wena, nokufundisa kwako; u me kuloko; ngokuba uma wenze njalo, u ya kuzisindisa wena, naba ku zwayo.

Imis. 20. 28. Hez. 33. 9. Rome 11. 14.

#### ISAHLUKO 5.

**U**NGA soli ilunga; u li neenge nje-nyoyihlo, nabatya njengabafo weuu; Levi 19. 32.

2 Abesifazana abadala njengonyoko; abatya njengodade wenu, ngobumhlope bodwa.

3 Dumisa abafelokazi, aba ngabafelokazi isibili.

4 Kepa uma ku kona umfelokazi o nabantwana, noma e nabazukulwana, a ba qale ba funde ukuhlonipa indhlu ya kwabo, ba buyisele okufaneleyo kubazali babo, ngokuba kuhle loku, ku ya bongeka pambi kuka Tixo. Gen. 45. 10, 11.

Mat. 15. 4. Ef. 6. 1, 2. isa. 2. 3.

5 Yena o ngumfelokazi isibili, e yedwa, u ya m etemba uTixo, u ya hlala e kuleka, e nxusa ebusuku na semini.

1 Kor. 7. 32. Luk. 2. 37. Imis. 26. 7.

6 Kepa yena o hlala ngokobutakataka, u file noma e kona. Jak. 5. 5.

7 U yale loku, ukuba ba nga bi naku-solwa. isa. 4. 11.

8 Kepa uma ku kona umuntu o nga bonisi aba kwake, kakulu abendhlu yake, u hlubukile ekukolweni, mubi kunongakolwayo. Isai. 58. 7.

Gal. 6. 10. 2 Tim. 3. 5. Titusi 1. 16.

9 A ka nga balwa umfelokazi o nge neminyaka emashumi a isitupa, umka ndodanye. Luk. 2. 36. isa. 3. 2.

10 E tuswa ngemisebenzi emihle; uma ondhle abantwana, uma e pate kahle abangenisayo, uma e hlanze izinyawo zabangewe, uma e hlenge abahlu-

pekayo, uma e bambelele kuyo yonke imisebenzi elungileyo. Imis. 16. 15.

Heb. 13. 2. Gen. 18. 4. Luk. 7. 38, 44.

John. 13. 5, 14.

11 Kepa u ba nqabe abafelokazi abaty; ngokuba nxa se be bensile nga ku-Kristu, ba ya kufuna ukugana;

12 Be necala lokulahlwa, ngokuba be citile ukukolwa kwabo kwakuqala.

13 Futike ba jwayela ukuvilapa, be ndinda izindhlu ngezindhlu, kepa a ba vilapi ku be kupela, ba buya ba xoxe izindaba, be hlola okwabanye, be kuluma oku nga ba faneleyo. 2 Tes. 3. 11.

14 Ngako ngi ya tanda ukuba abesifazana abatya ba gane, ba zale abantwana, ba bonise indhlu, be nga m niki opi-kayo ituba lokutuka.

1 Kor. 7. 9. isa. 6. 1. Titusi 2. 8.

15 Ngokuba namanje, abanye se be hlubukile, ba m landela uSatani.

16 Uma ku kona okolwayo, noma ovesilisa noma ovesifazana, o nabafelokazi, ka ba size, ibandhla li nga siudwa, ukuze li ba size aba ngabafelokazi isibili.

17 Amalunga a melayo kahle a ku tiwe a fanele ukutuswa nokutuswa, kakulu lawo a kutele ngezwi na ngokufundisa. Rome 12. 8. 1 Kor. 9. 10, 14.

Gal. 6. 6. 1 Tes. 5. 12, 13. Imis. 28. 10.

18 Ngokuba umbalo u ti, U nga faki isifonyo enkabini e bulayo; nokuti, Osebenzayo u fanele a ku kokelwayo.

Dut. 25. 4. 1 Kor. 9. 9. Levi 19. 13.

19 U nga lahli ilunga ngecala, u nga li nga qiniswa ofakazi ababili, nokuba batatu. Dut. 19. 15.

20 Abonayo u ba sole pambi kwabo bouke, ba ze besabe abanye. Gal. 2. 14.

Titusi 1. 13. Dut. 13. 11.

21 Ngi ku yala pambi kuka Tixo, no-Kristu Jesu, nezingelosi eziketiweyo, ukuba u geine lezizinto, u nga qali u zindhlekele, u ngenzi luto ngokutanda omunye ku nomunye. isa. 6. 13.

2 Tim. 2. 14. & 4. 1.

22 U nga tyetyi u beke izandhla pezu komuntu; u nga hlanganyeli ukona nabanye, u zigcine u be mhlope.

Imis. 6. 6. isa. 4. 14. 2 Tim. 1. 6. 2 John. 11.

23 U nga bi u sa puza amanzi odwa; u puze iwaini incozana, ngenxa yesisu sako, nokugula kwako futifuti.

Izihl. 104. 15.

24 Izono zabanye abantu zi sobala, zi yandulela ekwahlulweni; kepa zi ya ba landala abanye; Gal. 5. 19.

25 Ku njalo nemisebenzi emihle i sobala; nayo e nge njalo, i nge siteke.

ISAHLUKO 6.

**B**ONKE aba izigqili pansi kwejokwe, ma ba ti amakosi abo a fanele ukutuswa njalo, ukuba ku nga tukwa igama lika Tixo nokufundisa. Ef. 6. 5.

1 Pet. 2. 19. Isai. 52. 5. Rome 2. 24.

Titusi 2. 5, 8, 9.

2 Aba namakosi a kolwayo, a ba nga wa deli, ngokuba a ngabazalwane; kepa a ba wa konze, ngokuba a ngabakolwayo nabatandekayo, a hlanganyela umsebenzi omuhle. Fundisa loku, u yale.

Kol. 4. 1. isa. 4. 11.

3 Uma ka kona umuntu o fundisa okunye, e nga vumeli amazwi aqinisileyo, amazwi eNkosi yetu uJesu Kristu, nokufundisa oku fanele ukukonza,

isa. 1. 3, 10. 2 Tim. 1. 13. & 4. 3. Titusi 1. 1, 9.

4 U ya zikukumeza, e ngazi luto; u ya tanda imibuzo nokupikisana, oku vela kuko umona, nenkani, nokutuka, noku-zindhla okubi. 1 Kor. 8. 2. isa. 1. 4, 7.

2 Tim. 2. 23. Titusi 3. 9.

5 Nokukulumisana kwabantu abonakeleyo ngenhliziyo, aba ntula iqiniso, be ti ukuceba ku ukukonza. Yahlukana nabanjalo. 1 Kor. 11. 16. isa. 1. 6.

Titusi 1. 11. 2 Pet. 2. 3. Rome 16. 17.

2 Tim. 3. 5, 8.

6 Kepa ukukonza ku nokwenama ku ukuceba okukulu. Amazwi 15. 16.

Heb. 13. 15.

7 A si zanga naluto emhlabeni; ku sobala si nge muke naluto. Jobe 1. 21. Izihl. 49. 17. Amazwi 27. 24. Ums. 5. 15.

8 Uma si nokudhla nezambato, a sename. Gen. 28. 20.

9 Aba tanda ukufuya behlelwa ukulingwa, nogibe, nezinkanuko eziningi ezi ize, ezonayo, ezi tyonisa abantu ekufeni na sekubujisweni. Amazwi 15. 27.

Mat. 13. 22. Jak. 5. 1. isa. 1. 19. & 3. 7.

10 Ngokuba ukutanda imali ku impande yako konke okubi; abanye ngokufisa ba hlubukile ekukolweni, ba zigwaza ngezinsizi eziningi. Eks. 23. 8.

Dut. 16. 19.

11 Kepa wena, muntu ka Tixo, balekela loku, u lande ukulunga, nokukonza, nokukolwa, nokutanda, nokubekezela, nobunene. 2 Tim. 2. 22. & 3. 17.

Dut. 33. 1.

12 Yilwa ukulwa okulungileyo kokukolwa, u bambelele ekupileni okupakade, owa bizelwa kuko, wa vuma

## II. UTIMOTE, 1.

ukuvuma okulungileyo pambi kokafazi abaniagi. 1 Kor. 9. 25, 26. isa. 1. 18

2 Tim. 4. 7. Fil. 3. 12, 14.

13 Ngi ku yala pambi kuka Tixo o pilisayo konke, na pambi kuka Kristu Jesu, owa qinisa ukuvuma okulungileyo pambi kuka Pontio Pilatu, isa. 5. 21.

Dut. 32. 39. John. 5. 21. || Mat. 27. 11.

John. 18. 37. Isam. 1. 5. & 3. 14.

14 Ukuba u londe unyalo u nge nabala, u nge nakusoleka, ku ze ku be ukubonakala kweNkosi yetu uJesu Kristu;

Fil. 1. 6, 10. 1 Tes. 3. 13. & 5. 23.

15 O za kubonisa kona ngezikati ezifaneleyo uSomandhla obongekayo, oye-dwa, iNkosi yamakosi, umBusi wababusi; isa. 1. 11, 17. Isam. 17. 14. & 19. 16.

16 O nge nakufa yena yedwa, e hlala ekukanyeni oku nge nakusondelwa, o nga bonwanga muntu, o nge bouwe; a ku be kuye udumiso namandhla a pakade. Amenii. Jude 25.

Isam. 1. 6. & 4. 11. & 7. 12.

17 Ba yale abafuyileyo lapa emhlabeni, ukuba ba nga zikukumezi, ba tembe imfuyo e ngemiyo; a ba m etembe uTixo opilayo, o si nika konke ku vaine, si ze si tokoze ngako; Mark 10 24.

Amazwi 23. 5. 1 Tes. 1. 9. isa. 3. 15. & 4. 10. Imis. 14. 17. & 17. 25.

18 Ba yale ukuba benze okuhle, ba vame imisebenzi elungileyo, ba pe ngesihle, babele; Luk. 12. 21. isa. 5. 10.

Titusi 3. 8. Rome 12. 13. Gal. 6. 6.

Heb. 13. 16.

19 Be zibekelela isisekelo esihle, si bekelwa okuzayo, ukuze ba bambelele ekupileni okupakade.

Mat. 6. 20. & 19. 21.

20 Au Timote, gcina okubekiweyo kuwe, u dele ukukuluma oku ize, nokupikisana oku tyaywa ukwazi;

2 Tim. 1. 14. & 2. 14. & 3. 9.

Titusi 1. 9, 14. & 3. 9. Isam. 3. 3. isa. 1. 4.

21 Aba ku vumayo abanye, beduka ekukolweni. Umusa a u be kuwe. Amenii. isa. 1. 6, 19. 2 Tim. 2. 18.

## INCWADI YESIBILI KA PAULE UMPOSTOLI

# KUTIMOTE.

### ISAHLUKO 1.

**U**PAULE, umpostoli ka Jesu Kristu ngentando ka Tixo, ngokwesite-mbiso sokupila oku kuKristu Jesu.

2 Kor. 1. 1. Ef. 3. 6. Titusi 1. 2. Heb. 9. 15

2 KuTimote, umntanami otandekayo; a ku be umusa, nobubele, nokutula, oku vela kuTixo uYise, na kuKristu Jesu iNkosi yetu. 1 Tim. 1. 2.

3 Ngi ya m bonga uTixo engi m konzayo njengokoko bami ngenhliziyo emhlope, loku ngi ku kumbula njalunjalo ekukulekeni kwami ebusuku na semini; Rome 1. 8. Ef. 1. 16.

Imis. 22. 3. & 23. 1. & 27. 23.

Rome 1. 9. Gal. 1. 14. 1 Tes. 1. 2.

4 Ngi fisa ukukubona, ngi kumbula izinyembezi zako, ukuze ngi gewaliswe ukutokoza; isa. 4. 9, 21.

5 Uma ngi kumbula ukukolwa kwako oku nge nakuzenzisa, a e nako kuqala unyokokulu uLoisi, nonyoko uUnike; ngi yetemba ngi ti u nako nawe.

1 Tim. 1. 5. & 4. 6. Imis. 16. 1.

6 Ngako ngi ku kumbuzwa ukuba u vu-

Zulu, II. Timothy.

tele isipo sika Tixo, esi kuwe ngokubeka izandhla zami.

1 Tes. 5. 19. 1 Tim. 4. 14.

7 Ngokuba uTixo a ka si nikanga umoya wobugwala; wa si nika owamandhla, nowokutanda, nowokuqonda.

Imis. 1. 8. Rome 8. 15.

8 Ngako a u nga bi nazinhloni ngezindaba zeNkosi yetu, na ngami, isibotywa sayo, kepa hlanganyela nati ukulupeka ngenxa yevangeli ngokwamandhla ka Tixo, Isam. 1. 2. Ef. 3. 1.

Kol. 1. 24. isa. 4. 5.

9 O si sindisile, wa si biza ngokubiza okungwele; ka si bizanga ngemisebenzi yetu, kodwa wa si biza ngokubona kwake, na ngomusa, esa u piwayo ngaye uKristu Jesu, isikati si nga ka biko;

1 Tim. 1. 1. Heb. 3. 1. & 8. 28.

Rome 3. 20. & 9. 11. & 16. 25.

Ef. 1. 4. & 3. 11. Titusi 1. 2. & 3. 5.

1 Pet. 1. 20.

10 Kepa se u bonakaliswe kaloku ngokubonakala komSindisi wetu uJesu Kristu, owa kwahlula ukufa, wa veza

## II. UTIMOTE, 2.

ukupila nokuhlala oku nge nakupela ngalo ivangeli; Rome 16. 26. 1 Pet. 1. 20. 1 Kor. 15. 54, 55. Heb. 2. 14.

11 E nga bekelwa lona ummemezi, nompostoli, nomfundisi weziwe. 1 Tim. 2. 7. isa. 4. 17.

12 Ngaloku ngi ya hlupeka nga lezi-zinto; kodwa a ngi nazihloni, ngokuba ngi ya m azi engi kolwa uye, ngi yetemba ngi ti, u namandhla okugecina engi ku bekileyo kuye ku ze ku fike lolosuku. 1 Pet. 4. 19. 1 Tim. 6. 20. isa. 2. 9. & 4. 8.

13 Bamblela kuwo umboniso wamazwi aqinisileyo, o wezwayo kimi, ngokukolwa nokutanda oku kuKristu Jesu. isa. 3. 14. Titusi 1. 9. Heb. 10. 23. Rome 2. 20. & 6. 17. 1 Tim. 1. 10. & 6. 3. isa. 2. 2. 1 Tim. 1. 14.

14 Loku oku bekiweyo kuwe ku gcine ngoMoya o ingewele o hlala kitina. Rome 8. 11.

15 U ya kwazi loku, ukuti, bonke aba seAsia ba ngi shiyile, aba kubona oFugelo noHermogene. Imis. 19. 10. isa. 4. 10. 16.

16 iNkosi a i nike indhlu ka Onesiforo inhlanhla; ngokuba wa ngi tokozisa kaningi, wa e nge nanhloni ngokubotywa kwami. Mat. 5. 7. isa. 4. 19. Filemone 7. Imis. 28. 20.

17 Kepa e se fike eRoma wa ngi funisisa kakulu, wa ngi fumana.

18 iNkosi a i m nike ukuba a fumane inhlanhla eNkosiini nga lolosuku. Konke ukungikonza kwake eEfesu u ya kwazi kakulu. Mat. 25. 34-40. Heb. 6. 10.

### ISAHLUKO 2.

**N**GAKO wena, mntanami, yiba namandhla ngomusa o kuKristu Jesu.

1 Tim. 1. 2. isa. 1. 2. Ef. 6. 10.

2 Loku o ku zwileyo kimina, ku qiniswa ngofakazi abaningi, u ku beke kubantu abaqinisileyo, aba za kufanela ukufundisa abanye. isa. 1. 13. & 3. 10, 14. 1 Tim. 1. 18. Titusi 1. 9.

3 Kutazela wena ekuhlupkeni nje-ngebuto elihle lika Jesu Kristu. isa. 1. 8. 1 Tim. 1. 18.

4 A ku ko muntu ohlaselayo o zibhambisa ngemisebenzi yokuhlala kwake lapa, a ze a be muhle komemayo impi.

5 Kepa una umuntu e ncintisana nabanye, ka hlotyiswa ngomqele e nga ncintisani ngokomteto. 1 Kor. 9. 25, 26.

6 Umlimi o sebenzayo u fanele a qale a zuze izitelo. 1 Kor. 9. 10.

7 Qonda engi ku tyoyo; iNkosi a i ku nike ukuqonda ngako konke.

8 Kumbula uJesu Kristu, owa vuka kwabafileyo, owenzalo ka Davida, nje-ngevangeli lami; 1 Kor. 15. 1, 4, 20. Rome 2. 16.

9 Engi hlupeka ngalo, ngi ze ngi botywe, njengowenzayo okubi; kepa izwi lika Tixo a li botyiwe.

Imis. 9. 16. & 28. 31. isa. 1. 12.

Ef. 3. 1. & 6. 19, 20. Fil. 1. 7, 13, 14.

10 Ngaloku ngi ya bekezela kuko konke ngenxa yabaketiweyo, ukuze nabo ba zuze ukusindiswa oku kuKristu Jesu, kanye nobukosi obupakade.

Ef. 3. 13. Kol. 1. 24. 2 Kor. 1. 6.

11 Li qinisile izwi lokuti, Uma si file njengaye, si ya kupila kanye naye; 1 Tim. 1. 15. Rome 6. 5, 8. 2 Kor. 4. 10.

12 Uma si bekezela, si ya kubusa kanye naye: uma si m pika, naye u ya kusipika; Rome 8. 17. Mat. 10. 33.

13 Uma si nga qinisile, yena u ya kuhlala e qinisile; a nge zipike yena.

Rome 3. 3. Imib. 23. 19.

14 U ba kumbuze loku, u ba yale pambi kweNkosi, ukuba ba nga pikisani ngamazwi nje, ku nga sizi luto, ku be-dusa abezwayo. isa. 4. 1.

1 Tim. 1. 4. & 5. 21. & 6. 4, 13.

Titusi 3. 9, 11.

15 Qinisa u ziveze u be muhle kuTixo, u be isisebenzi esi nge nakujabiswa, esi labayo kahle izwi leqiniso.

16 Kepa gwema ukukuluma oku ize; ngokuba ba ya kudhlula ba vame okubi.

1 Tim. 4. 7. & 6. 20. Titusi 1. 14.

17 Izwi labo li ya kubisa njengesilonda; aba kubona oHumenio noFileto;

1 Tim. 1. 20.

18 Abedukile eqinisweni, be ti, ukuvuka kwabafileyo se ku dhlulile, ba cita ukukolwa kwabanye.

1 Tim. 6. 21. 1 Kor. 15. 12.

19 Kepa isisekelo sika Tixo si mi si qinile, si na lolupau lokuti, iNkosi i ya bazi abayo; nokuti, A ba dele ekoneni bonke aba bizayo igama leNkosi.

Rome 8. 35. Nah. 1. 7. John. 10. 14, 27.

Imib. 16. 5.

20 Kepake endhlini enkulu a zi ko izitya zegolide nezesiliva zodwa; zi kona nezemiti nezebumba; ezinye zomsebenzi omuhle, nezinye zomsebenzi omubi.

1 Tim. 3. 15. Rome 9. 21.

21 Uma umuntu e zihlanza, a lahle lezi, u ya kuba isitya sousebenzi omuhle, esingewele, esi m sizayo umnini-



## II. UTIMOTE, 4.

ndhlu, esi lungiselwe imisebenzi yonke emihle. Isai. 52. 11. isa. 3. 17. Titusi 3. 1.

22 Keba balekela izinkanuko zabatya, u lande ukulunga, nokuqiniseka, nokutanda, nokutula, ka nye nabakulekayo eNkosini ngenhliziyo emhlope.

Imis. 9. 14. 1 Tim. 6. 11. & 4. 12.

23 Keba xwaya imibuzo yobuula, e ize, wazi ukuti i banga ukupikisana.

1 Tim. 1. 4. & 4. 7.

24 Ku i fanele inceku yeNkosi i nga piki inkani; a i be mnene kubo bonke, i fundisa, i bekezela ekhlupekeni.

Titusi 3. 2. 1 Tim. 3. 2, 3. Titusi 1. 9.

25 I ba luleka ngenyewe abemelene naye, ukuba mhlambe uTixo a ba nike ukupenduka, ba ze bazisise iqiniso,

Gal. 6. 1. 1 Pet. 3. 15. Imis. 8. 22.

1 Tim. 2. 4. & 6. 11. isa. 3. 7. Titusi 1. 1.

26 Ba buye ba qonde, ba sinde ogibeni luka Satani, be bajiwe uye ukuba benze intando yake.

1 Tim. 3. 7.

### ISAHLUKO 3.

**K**EPA yazi loku, ukuti, ngezinsuku zokugcina, ku ya kufika izikati zokhlupeka.

1 Tim. 4. 1. isa. 4. 3. 1 John. 2. 18.

2 Ngokuba abantu ba ya kuba aba zilandayo, aba fisa imali, aba zikulisayo, aba zidhlayo, aba tukayo, aba nga lalali abazali babo, aba nga bongiyo uTixo, aba nga hlanzekiyo,

Fil. 2. 21.

2 Pet. 2. 12. Jude 10. Rome 1. 30.

3 Aba nge namusa, aba nge nakutliswa, aba hlebayo, aba nga zikuziyo, aba nge nabunene, aba zouda abalungileyo,

Titusi 2. 3. 2 Pet. 3. 3.

4 Aba nikela abanye, aba pangisayo, aba zikukomezayo, aba tanda ukutokozaz, be nga bi aba tanda uTixo; Fil. 3. 19.

2 Pet. 2. 10, 13. Jude 4, 19.

5 Be nesimo sokukonza, kepa ba pika amandhla ako; ba dele abanjalo.

Titusi 1. 16. 2 Tes. 3. 6. 1 Tim. 5. 8. & 6. 5.

6 Ngokuba ibo abangenayo ezindhlini, bedusa abesifazana aba sindwa izono, be holwa izinkanuko ngezinkanuko;

Mat. 23. 14. Titusi 1. 11.

7 Be funda njalo, kodwa be nge ke ba bambisisa iqiniso.

1 Tim. 2. 4.

8 Njengokuba uJane noJambre bemelana noMosi, ba njalo na labo bemelana neqiniso; abantu abouakele ngenhliziyo, aba nga qiniseki ekukulweni.

Eks. 7. 11. 1 Tim. 6. 5. Rome 1. 28.

Titusi 1. 16.

9 Keba ba nge qubeke; ngokuba uko-

na kwabo ku ya kuba sobala kubo bonke, njengokwa labo kwa ba sobala.

Eks 7. 12. & 8. 18. & 9. 11.

10 Keba wena u zwisise ukufundisa kwami, nokuhamba kwami, nokuceba kwami, nokuqiniseka kwami, nokubheka kade kwami, nokutanda kwami nokubekezela kwami;

Fil. 2. 22.

1 Tim. 4. 6.

11 Nokuzingelwa, nokuhlupeka, nako okwa ngehlela eAntioki, na seIkonoio, na seListra; ukuzingelwa okungaka enga bekezela kuko! kepa iNkosi ya ngi sindisa kuko konke:

Imis. 13. 45, 50. & 14. 2, 5, 19.

Izihl. 34. 19. 2 Kor. 1. 10. isa. 4. 17.

12 Yebo, bonke abatanda ukuhamba ngobuqoto kuKristu Jesu, ba ya kuzingelwa.

Mat. 16. 24. John. 17. 14.

Imis. 14. 22. 1 Kor. 15. 19.

13 Keba abantu ababi, nabakohlisayo ba qubeka ebubini njalo, bedukiswa,

isa. 2. 16.

14 Kodwa yima wena ku loko o ku fundileyo, nowa ku kolwayo, wazi ukuba u ku funde kubani; isa. 1. 13. & 2. 2.

15 Nokuti iloku wa zalwayo wazi imibalo engewele, e namandhla okukuhlakanipisa, u ze u sindiswe, ngokukolwa, oku kuKristu Jesu.

John. 5. 39.

16 Imibalo yonke i piwe uTixo, i lungele ukufundisa, nokutetisa, nokulungisa, nokululeka ngokulunga;

2 Pet. 1. 20, 21. Rome 15. 4.

17 Ukuze umuntu ka Tixo, a pelele, a lungiselwe imisebenzi emihle yonke.

1 Tim. 6. 11. isa. 2. 21.

### ISAHLUKO 4.

**N**GAKO ngi ku yala pambi kuka Tixo, noJesu Kristu o za kubahlulela abapilayo nabafileyo, ekufikeni kwake, na sekubuseni kwake;

1 Tim. 5. 21. Imis. 10. 42.

2 Shumayela izwi, u qinise ngesikati esilungileyo na ngesikati esingalungile; tetisa, u kuze, u luleke ngokubekezela na ngokufundisa.

Titusi 1. 13.

1 Tim. 4. 13. & 5. 20.

3 Ngokuba isikati si ya kufika, aba nga yi kuvuma ngaso ukuba ba fundiswe iqiniso; kepa ngokufisa kwabo ba ya zibutela abafundisi, be batywa izindhlebe;

1 Tim. 1. 10. isa. 3. 1, 6.

4 Ba ya kufulatela, ba ngezwa iqiniso, ba pambukele kuzo izinganekwane.

1 Tim. 1. 4.

5 Keba qonda wena ngako konke, u

kutazele ekulupekeni, wenza umsebenzi womvangeli, u qinise ukukonza kwako. isa. 1. 8. & 2. 3. Imis. 21. 8. Ef. 4. 11.

6 Ngokuba se ngi za kunikelwa; isikati sokudhlula kwami si sondele.

Fil. 1. 23. & 2. 17. 2 Pet. 1. 14.

7 Ngi lwile ukulwa okuhle, ngi qedile ukuhamba kwami, ngi gcinile ukokulwa; 1 Kor. 9. 25. Fil. 3. 14.

8 Se ngi bekelwe umqele wokulunga, e ya kungipa wona iNkosi, umAhluli olungileyo, nga lolosuku; a si mina ngedwa; ba ya kuupiwa bonke abatanayo ukufika kwayo. 1 Kor. 9. 25. Isam. 2. 10. isa. 1. 12.

9 Qinisa ukuza kimi masinyane.

10 Ngokuba uDemasi u ngi shiyile, wa tanda lelizwe lamauje, wa ya eTesa-lonika; uKreske u ye eGalatia, uTitusi u ye eDalmatia. Kol. 1. 14. 1 John. 2. 15.

11 uLuka yedwa u lapa nami. U ze noMarko; ngokuba u ya ngi siza ekukozeni. isa. 1. 15. Filemone 24. Kol. 4. 10, 14.

12 Kepa ngi m tumile uTikiku eEfesu. Imis. 20. 4.

13 Ingubo enga i shiya eTroa kuKapro, wo i leta ekuzeni kwako, nezizewadi, kakulu amapepa esikumba.

14 uAlesando umkandi wetusi wa ngenzela okubi okuningi; iNkosi a i pindise kuye njengemisebenzi yake. Imis. 19. 33. 1 Tim. 1. 20. 2 Sam. 3. 39. Izihl. 23. 4. Isam. 18. 6.

15 M xwaye yena, ngokuba wa wa pikisa kakulu amazwi etu.

16 Ekupenduleni kwami kuqala kwa ku nge ko muntu o ngi melayo; bonke ba ngi shiya; ku nga ba nga tetelelwa. isa. 1. 15. Imis. 7. 60.

17 Kepa iNkosi ya ngi mela, ya ngenzela amandhla, ukuze ukushumayela ku qiniswa nokuqiniswa, bezwe abezizwe bonke; nga kitywa emlonyeni wengonyama. Mat. 10. 19. Imis. 9. 15. & 23. 11. & 26. 17. & 27. 23. Izihl. 22. 21. 2 Pet. 2. 9.

18 Inkosi i ya kungikipa kuyo yonke imisebenzi emibi, i ngi sindise, ngi ze embusweni wayo ezulwini; a ku be kuyona ubukosi ku ze ku be pakade. Ameni. Izihl. 121. 7. Rome 11. 36.

19 Ngi konzele kuPriska noAkwila, na kuyo indhlu ka Onesiforo. Imis. 18. 2. isa. 1. 16.

20 uErasto wa sala eKorinte; kepa nga m shiya uTrofimo eMilito, e gula. Imis. 19. 22. & 20. 4. & 21. 29. Rome 16. 23.

21 Qinisa u ze ku nga ka fiki ubusika. Ba konza kuwe oBulo, noPude, noLino, noKlaudia, nabazalwane, bonke.

22 iNkosi uJesu Kristu a i be nomoya wako. A ku be kiwi umusa. Ameni. Gal. 6. 18.

## INCWADI KA PAULE UMPOSTOLI

# KUTITUSI.

### ISAPHLUKO 1.

**U**PAULE, inceku ka Tixo, umpostoli ka Jesu Kristu, ngokukolwa kwabaketiweyo, na ngokwazisisa iqiniso eli ya ngokulunga; 1 Tim. 6. 3. 2 Tim. 2. 25.

2 Ngokwetemba ukupila okupakade, kwetembisayo uTixo, o nge tyo amanga, izwe li nga ka bi ko, 2 Tim. 1. 1, 9. & 2. 13. isa. 3. 7. Imib. 23. 19. Rome 16. 25.

3 Ngesikati sake wa li veza izwi lake, ngokushunyayelwa kwalo, enga ku tenjiswayo, ngokutyo komSindisi wetu uTixo; 1 Tim. 1. 11. & 2. 3. & 4. 10.

2 Tim. 1. 10. 1 Tes. 2. 4.

4 KuTitusi, umntanami isibili ngokukolwa esi nako sonke a ku be umusa,

nobubele, nokutula, oku vela kuTixo uYise, na kuyo iNkosi uJesu Kristu, umSindisi wetu. 2 Kor. 2. 13. Gal. 2. 3.

1 Tim. 1. 2. Rome 1. 12. 2 Kor. 4. 13.

5 Ngaloku nga ku shiya eKrete, ukuba u hlele okuseleyo, u mise amalunga emizini yonke, njengenga ku yala ngako;

1 Kor. 11. 34. Imis. 14. 23. 2 Tim. 2. 2.

6 Uma ku kona umuntu o nga solekiyo, indoda yomfazi munye, e nabantwana abakolwayo, aba nge nakusolwa ngokushinga, be nga sibo aba ngezwayo.

1 Tim. 3. 2, 4, 12.

7 Ngokuba ku m fanele umbonisi a be o nge nansolo, njeugisikonzi sika Tixo; o nga zikulisiyo, o nge nalulaka, o nga

bi isidakwa, o nga bi uhlanya, o nga fisi  
imfuyo embi; 1 Kor. 4. 1, 2. Levi 10. 9.

1 Tim. 3. 3, 8. 1 Pet. 5. 2.

8 O pata kahle owasemzini o tanda  
okuhle, oqondayo, olungileyo, ongewe-  
lezayo;

9 E bambisisa izwi leqiniso njengoku-  
fundiswa kwake, a ze a be namandhla  
okululeka nokwahlula abapikayo noku-  
fundisa oku isiminiya. 2 Tes. 2. 15. & 3. 2.

1 Tim. 1. 15. 2 Tim. 2. 2. & 4. 3. isa. 2. 1.

10 Ngokuba be baningi aba ngezwayo,  
aba kuluma ize, naba kohlisayo, kakulu  
abokusoka; 1 Tim. 1. 6. Rome 16. 18.

Imis. 15. 1.

11 Imilomo yabo nga i vinjwa; ba cita  
izindhlu, zi ze zi pele, be fundisa oku  
nga fanele, ba fuye imfuyo embi.

Mat. 23. 14. 1 Tim. 6. 5. 2 Tim. 3. 6.

12 Omunye kubo, umprofeti wa kwa-  
bo, wa ti, Aba seKrete ba ngaba qamba  
amanga, izilo ezibi, iziminizi ezivilapayo.

Imis. 17. 23.

13 Lokukutyo ku qinisile. Nga loku  
wo ba sola kakulu, ba ze ba qonde eku-  
kolweni,

2 Kor. 13. 10. 2 Tim. 4. 2. isa. 2. 2.

14 Ba nga laleli izinganekwane zaba-  
Juda, nemiteto yabantu abahlubukayo  
eqinisweni.

1 Tim. 1. 4. Mat. 15. 9. Kol. 2. 22.

15 Kwabamhlope ku mhlope konke;  
kepa kwabangcolileyo nabangakolwayo  
a ku konto emhlope; ku ngolile noku-  
zindhla kwabo nezinhliziyi zabo.

Luk. 11. 41. Rome 14. 20, 23. 1 Tim. 4. 3, 4.

16 Ba ti ba ya m azi uTixo; kodwa ba  
m pika ngemisebenzi yabo, be babi, aba  
nga laleliyo, a ba sizi luto emisebenzini  
yonke elungileyo.

2 Tim. 3. 5, 8. Jude 4. Rome 1. 28.

## ISIAHLUKO 2.

**K**EPA kuluma wena okufanele ukufu-  
ndisa oku isiminiya:

1 Tim. 1. 10. 2 Tim. 1. 13. isa. 1. 9.

2 Kokuti, abesilisa abakulile a ba be  
ngabaqondayo, abaqoto, abahlonipeka-  
yo, aba qinisekileyo ekukolweni, na se-  
kufandeni na sekubekezeleni. isa. 1. 13.

3 Ku njalo abesifazana abakulile, a ba  
hambe ngokufanele ubungewe, ba nga  
bi abahlebayo, ba nga bi izidakwa, ba  
fundise okuhle;

1 Tim. 2. 9, 10. & 3. 11. 2 Tim. 3. 3.

4 Ukuze ba fundise abesifazana abatya  
ba tande amadoda abo, ba tande aba-  
ntwana babo,

1 Tim. 5. 14.

5 Ba qonde, ba be mhlope, ba hlale  
emakaya, ba be mnene, ba hlonipe ama-  
doda abo, ukuba izwi lika Tixo li nga  
tukwa. Ef. 5. 22.

Kol. 3. 18. Rome 2. 24. 1 Tim. 6. 1.

6 Ku njalo abesilisa abatya, u ba lule-  
ka ba qonde.

7 U be umboniso wemisebenzi elungi-  
leyo ezintweni zonke; ekufundiseni u  
bonise oku iqiniso, nokuhlouipeka,

1 Tim. 4. 12. Ef. 6. 24.

8 Nokukuluma okuqondileyo, oku-  
ngasolekiyo; ukuba opikayo a be nana-  
hloni, a nga bi nakukuluma okubi  
ngati. Neh. 5. 9.

1 Tim. 5. 14. & 6. 3. 1 Pet. 2. 12. 2 Tes. 3. 14.

9 Luleka izisebenzi zi lalele amakosi  
azo, zi be zihle kuwo ezintweni zonke,  
zi nga piki;

Kol. 3. 22. 1 Tim. 6. 1, 2. Ef. 5. 24. & 6. 5.

10 Zi nga godhli luto, zi tembeke izi-  
ndawo zonke; ku ze ku tuswe ukufu-  
ndisa kuka Tixo, umSindisi wetu, ezi-  
ntweni zonke. Mat. 5. 16. Fil. 2. 15.

11 Ngokuba umusa ka Tixo wokusi-  
ndisa waziwa abantu bonke. isa. 3. 4.

Luk. 3. 6. John. 1. 9. 1 Tim. 2. 4.

12 U si fundisa, ukuba si dele okubi,  
nezinkanuko zomhlaba, si hlale ngoku-  
qonda, na ngobuqoto, na ngokulunga  
ezweni esi kulo; Luk. 1. 75. Rome 6. 19.

Ef. 1. 4. Kol. 1. 22. 1 Tes. 4. 7. 1 Pet. 4. 2.

1 John. 2. 16.

13 Si bheka itemba elibongekayo no-  
kuvela nobukosi buka Tixo omkulu,  
nomSindisi wetu uJesu Kristu;

1 Kor. 1. 7. Imis. 24. 15. Kol. 1. 5, 23.

isa. 1. 2. Kol. 3. 4.

14 O wa zinikela yena ngenxa yetu,  
ukuze a si hlenge ehubini bonke, a si  
hlanze si be esake isizwe, si kutale emi-  
sebenzini elungileyo. 1 Tim. 2. 6.

Heb. 9. 14. Eks. 19. 5. Dut. 7. 6.

1 Pet. 2. 9. Ef. 2. 10. isa. 3. 8.

15 Shunayela lezizinto, u luleke, u  
sole nokusola. A ku nga bi ko muntu o  
kweisayo. 1 Tim. 4. 12. 2 Tim. 4. 2.

## ISIAHLUKO 3.

**B**A kumbuze ukuba ba zihlele pansi  
kwamakosi nababusayo, ba lalele, be  
lungele imisebenzi yonke emihle.

Rome 13. 1. Kol. 1. 10. 2 Tim. 2. 21.

2 Ba nga hlebi muntu, ba nga bi aba-  
xabanayo, ba be mnene, ba pate abantu  
bonke ngomusa.

Ef. 4. 31. 2 Tim. 2. 24, 25. Fil. 4. 5.

3 Ngokuba nati kade sa si izipukupu-

## UFILEMONE.

ku, abangalaleliyo, abedukileyo, sa konna izinkanuko nokwenama okuningi, sa hlala ngokubi na ngomona, sa nengeka, sa zondana.

1 Kor. 6. 11. Ef. 2. 1. 1 Pet. 4. 3.

4 Kepa lapo se kwaziwe umusa nobunene buka Tixo umSindisi wetu, isa. 2. 11.

5 Ku nga yi ngemisebenzi yokulunga, esi yenzileyo, kepa ngokomusa wake wa si sindisa, ngokuhlamba kokuzalwa okutya, na ngokwenza okutya kuka Moya o ingewele, Rome 3. 20. & 9. 11. & 11. 6. Ef. 2. 9. & 5. 26. 2 Tim. 1. 9. John. 3. 5.

1 Pet. 3. 21.

6 A m telayo a vame kitina, ngaye uJesu Kristu umSindisi wetu : Joeli 2. 28. Imis. 2. 33. & 10. 45. Rome 5. 5.

7 Ukuze si lungiswe ngomusa wake, senziwe izindhlamafa ngokwetemba lokupila okupakade.

Rome 3. 24. & 8. 23, 24. isa. 1. 2. & 2. 11.

8 Li isiminya lelizwi ; ngi ya tanda u qinise lezizinto, ba ze ba qonde ukukutala emisebenzini elungileyo abakolwayo uTixo. Lezizinto zinhle, zi nokusiza abantu. 1 Tim. 1. 15. isa. 1. 9. isa. 2. 14.

9 Kepake gwema imibuzo yobuula,

nokulanda izizukulwane, nenkani, nokupikisana ngomteto ; ngokuba a ku sizi loku, ku ize. 1 Tim. 1. 4.

2 Tim. 2. 23. isa. 1. 14. 2 Tim. 2. 14.

10 Nxa umuntu e fundisa okupambene neqiniso, e se lulekwe futifuti, u m lahle ; 2 Kor. 13. 2. Mat. 18. 17.

Rome 16. 17. 2 Tes. 3. 6, 14 2 Tim. 3. 5.

2 John. 10.

11 Wazi ukuti onjalo wedukile, u yona, e jeziswa inhliziyoyake.

Imis. 13. 46.

12 Nxa ngi tuma kuwe uArtema, nomu uTikiku, qinisa u ze kimi eNikopoli ; ngokuba ngi ti ngi ya kuhlala ngi qede ubusika kona. Imis. 20. 4. 2 Tim. 4.

13 U ba zise oZenasu unimeli, noApolo, beze kahle, ba nga sweli luto.

Imis. 18. 24.

14 Abetu a ba funde ukukutala emisebenzini elungileyo, enzelwa okufaneleyo, ba nga bi abangateliyo. Ef. 4. 28. Rome 15. 28. Fil. 1. 11. & 4. 17. Kol. 1. 10.

2 Pet. 1. 8.

15 Bonke aba lapa kimi ba konza kuwe. Ngi konzele kwabasitandayo eku kolweni. Umusa a u be kinina nonke. Amen.

## INCWADI KA PAULE UMPOSTOLI

### KUFILEMONE.

**U**PAULE, isibotywa sika Kristu Jesu, noTimote umzalwane, kuFilemone otandwayo, isisebenzi kanye nati.

Ef. 3. 1. Fil. 2. 25.

2 Na kuApfia otandwayo, na kuArkipu, ibuto kanye nati, na kulo ibandhla eli sendhlini yako ; Kol. 4. 17.

Fil. 2. 25. Rome 16. 5.

3 A ku be kini umusa nokutula oku vela kuTixo uBaba wetu, na kuyo iNkosi uJesu Kristu. Ef. 1. 2.

4 Ngi ya m bonga uTixo wami njalo, ngi ku kumbula ekukulekeni kwami,

Ef. 1. 16. 1 Tes. 1. 2.

5 Ngi zwa ngokukolwa kwako o nako kuyo iNkosi uJesu, na ngokutanda kwako o tanda ngako abangewele bonke ; Ef. 1. 15. Kol. 1. 4.

6 Ukuze ukuhlanganyela ukukolwa kwako ku sebenzisise, ku ze kwaziwe

konke okuhle oku kitina ngaye uKristu Jesu. Fil. 1. 9, 11.

7 Si nokujabula okukulu nokwenama ngokutanda kwako, ngokuba izinhliziyoy zabangewele zi tokoziswa uwe, mzalwane. 2 Kor. 7. 13. 2 Tim. 1. 16.

8 Ngaloku, noma ngi nesibindi esikulu ngaye uKristu sokuba ngi ku yale okufaneleyo.

1 Tes. 2. 6.

9 Ngenxa yokutanda ngi ku ncenga ; loku ngi nguye onje uPaule omdala, na manje isibotywa sika Jesu Kristu,

10 Ngi ku ncenga ngomntwana wami, engi ni zelayo ekubotyweni kwami, uOnesimo ;

Kol. 4. 9. 1 Kor. 4. 15.

11 O kade wa e nge nakusiza ; kepa kaloku u ya si siza, wena nani.

12 Ngi ya m buyisa ; wo m amkela wena, oku ukuti inhliziyoyami.

13 Be ngi tanda ukumtola, ukuze a

ngi konze esikundhleri sako ekubotyweni kwami ngevangeli. 1 Kor. 16. 17.

Fil. 2. 30.

14 Kepa a ngi tandi ukwenza uto, u nga tyongo wena; funa okuhle kwako ku be ngokucindezelwa, ku nga bi ngesihle. 2 Kor. 9. 7.

15 Mhlaumbe wemuka isikatyana nga loku, ukuba u buye u m amkele a be owako njalonjalo; Gen. 45. 5, 8.

16 E nga bi e sa ba isigqili, e mkulu ku nesigqili, e ngumzalwane otandwayo, kakulu kimina, kepa kakulu kakulu kuwena, na senyameni na seNkosini. Mat. 23. 8. 1 Tim. 6. 2. Kol. 3. 22.

17 Ngakoke uma u hlangene nami, u m amkele, ngokungati imina. 2 Kor. 8. 23.

18 Kodwa uma e kouile, noma u necala lento kuye, wo ti li kimina.

19 Mina Paule ngi ku lobile ngesandhla sami; ngi ya ku kwenana. Ke-

pa ngi nga tyo kuwe ukuti, ngi necala kuwe, li nguwe uqobo lwako.

20 Yebo, mzalwane, a ngi be nokuja-bula ngawe eNkosini; u i tokozise inhli-ziyo yami eNkosini.

21 Ngokwetemba ukulalela kwako ngi lobile kuwe, ngazi ukuti, u ya kwenza kakulu ku nengi ku tyoyo. 2 Kor. 7. 16.

22 Kepa ngi lungisele indawo yokungenisa; ngokuba ngokukuleka kwenu ngi yetemba ngi ti ngi ya kunikwa kinina. Fil. 2. 24. 2 Kor. 1. 11.

23 U ya konza kuwe uEpafru, isibotywa kanye nami, ngaye uKristu Jesu; Kol. 1. 7. & 4. 12.

24 NoMarko, noAristaku, noDemasi, noLuka, izisebenzi kanye nami. Imis. 12. 12. & 19. 29. Kol. 4. 14.

2 Tim. 4. 11.

25 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be nomoya wenu. Amenii.

INCWADI KA PAULE UMPOSTOLI KUWO

AMAHEBERU.

ISAHLUKO 1.

UTIXO, o wa shumayela koyise ngabaprofeti endulo, ngezikati eziningi, na ngezindawo eziningi, Imib. 12. 6, 8.

2 Nga lemihla yokugcina u shumayela kitina ngayo iNdodana yake, a i beka indhlalifa lako konke; iyona a dabula ngayo amazwe; Dut. 4. 30. Gal. 4. 4. Ef. 1. 10. John. 15. 15. isa. 2. 3. Izihl. 2. 8.

Mat 11. 33. Rome 8. 17. John. 1. 3.

3 Yona, e ngukukazimula kobukosi bake, e m fuza yena uqobo, e gcina konke ngezwi lamandhla ayo, i si hlanzile izono ngokwayo, ya hlala ngakwesokuene soBukulu obupezulu; John. 1. 14.

2 Kor. 4. 4. Kol. 1. 17. Isam. 4. 11.

isa. 9. 14. || Izihl. 110. 1. Ef. 1. 20, 21.

1 Pet. 3. 22.

4 Ya ba mkulu ku nezingelosi, nje- ngegama lake, e nalo ngefa, li kulu ku nelazo. Fil. 2. 9, 10.

5 Ngokuba i ipi ingelosi a ke a tyo kuyokuti, U iNdodana yami, ngi ku zele namhla? Nokuti, Ngo ba uYise wake, a be iNdodana yami? Izihl. 2. 7.

Imis. 13. 33. isa. 5. 5. || 2 Sam. 7. 14.

Izihl. 89. 26, 27.

6 Nxa e buya a ngenise owamazibulo emhlabeni u ti, A zi kuleke kuye zonke izingelosi zika Tixo. Rome 8. 29.

Izihl. 97. 7.

7 U ti ngezingelosi, Owenza izingelosi zake imimoya, nezikonzi zake ilangabi lomlilo. Izihl. 104. 4.

8 Kodwa ngeNdodana u ti, Isihlalo sako, Tixo, si mi pakade napakade; intonga yokulunga i intonga yombuso wako; Izihl. 45. 6, 7.

9 U tandile ukulunga, wa zonda ukona; ngaloku uTixo, uTixo wako u ku geobile ngamafuta okutokoza ku naba hlangene nawe. Isai. 61. 1.

10 U tyo nokuti, Wena, Nkosi, ekuqaleni wa u sekela umhlaba; izulu li imisebenzi yezandhla zako;

Izihl. 102. 25-27.

11 Li ya kubaba lona; kodwa wena u kona njalo; lona lonke li ya kuguga njengengubo; Isai. 34. 4.

12 Wo li songa njengesivato, li guqu-lwe; kodwa wena uwena njalo, iminyaka yako a yi kukauka.

13 Kepa i ipi ingelosi a ke a tyo kuyo ukuti, Hlala ngakwesokuunene sami,

ngi ze ngenze aba izita kuwe ba be isenabelo sezinyawo zako? Izihl. 110. 1.

Mat. 22. 44. isa. 10. 12.

14 A zi sibo omoya abakonzayo zonke, be tunyelwa ukukonza ngenxa yaba za kulidhla ifa lokusindiswa na?

Gen. 19. 16. & 32. 1, 24. Izihl. 103. 20.

Dan. 10. 11. Mat. 18. 10. Luk. 1. 19.

& 2. 9, 13. Imis. 12. 7.

### ISAHLUKO 2.

**N** GALOKU nga si qapeliswa esi ku zwileyo, funa mhlaume seduke.

2 Ngokuba uma izwi ela shunyayelwa izingelosi la li qiniseka, uma ukupambuka konke, nokungalaleli kwa pindiselwa ngokufaneleyo;

Imis. 7. 53. Imib. 15. 30, 31. Dut. 4. 3.

& 17. 2, 5, 12. & 27. 26.

3 Tina si ya kupepa kanjani uma si dela ukusindiswa okungaka na? okwa qala ukushunyayelwa iNkosi, kwa qiniswa kitina ilabo abezwayo,

isa. 10. 23, 29. & 12. 25. Mat. 4. 17.

Mark 1. 14. isa. 1. 2. Luk. 1. 2.

4 Naye uTixo e qinisa kanye nabo ngezibonakalislo, na ngemimangalislo, na ngemisebenzi emikulu eminingi, na ngokwabelwa kuka Moya o ingewele ngokwentando yake. Mark 16. 20.

1 Kor. 2. 4. & 12. 4, 11. Imis. 2. 22.

Ef. 1. 5.

5 Kepa izwe eli zayo, esi shumayela ngalo, a ka li hlelanga pausi kwezingelosi. isa. 6. 5.

6 Kodwa kwa qiniswa endaweni etile, ku tiwa, U ini umuntu, ukuba u m kumbule na? i ini indodana yomuntu, ukuba u i bheke na?

Jobe 7. 17. Izihl. 8. 4-6.

7 Wa m enza mncinyane ngokuincozana ku nezingelosi, wa m hlobisa ngomqele wobukosi nowodumo; wa m misa pezu kwemisebenzi yezandhla zako;

8 Wa ku hlela konke pausi kwezinyawo zake. E sa hlela konke pausi kwake a ka shiyanga luto, olu nga hlelwannga pausi kwake. Kepa manje a si ka boni konke ku hlelwe pausi kwake.

Mat. 23. 18. 1 Kor. 15. 25, 27.

9 Kepa si ya m bona uJesu o wenziwa mncinyane ngokuincozana ku nezingelosi, e hlotyiswe ngomqele wobukosi nowodumo, ngokuhlupeka ukufa; ukuba ngomusa ka Tixo a ku zwe ukufa ngenxa yabo bonke. Fil. 2. 7-9. Imis. 2. 33.

John. 12. 32. Rome 5. 18. & 8. 32.

2 Kor. 5. 15. 1 Tim. 2. 6. 1 John. 2. 2.

10 Ngokuba kwa ku m fanele yena a kwenzelwa konke, yena okwenziwa uye konke, e se zisa abantwana abaningi ebukosini, ukuba a m pelelise ngokuhlupeka yena o umdai wokusindiswa kwabo. Luk. 24. 46.

Imis. 3. 15. isa. 5. 9. & 12. 2.

11 Ngokuba ohlanzayo nabahlanzwayo ba ngaba munye bonke; ngaloku ka nazinhloni ngokubabiza ukuti, abazalwane: isa. 10. 10, 14.

Imis. 17. 26. Mat. 23. 10. Rome 8. 29.

12 E ti, Ngi ya kushumayela igama lako kubazalwane bani; ngi ya kukubonga pakati kwebandhla.

Izihl. 22. 22.

13 Ku tyiwo nokuti, Ngi ya kumetemba; nokuti, Nangu, mina nabantwana uTixo a ngi nuke bona.

Izihl. 18. 2. Isai. 8. 18. & 12. 2.

John. 10. 29. & 17. 6.

14 Ngakoke, loku abantwana ba hlanganyela inyama negazi, naye wa hlanganyela kona loku; ukuze ngokufa a cite yena o namandhla okufa, uSatani; Rome 8. 3. 1 Kor. 15. 54, 55. Kol. 2. 15.

2 Tim. 1. 10.

15 A ba kulule labo, aba botyiweyo ukukonza, ngokwesaba ukufa, uxa be kona. Luk. 1. 74. Rome 8. 15.

16 Loku pela e nga zi sizi izingelosi, u i siza inzalo ka Abrahamana.

17 Ngaloku kwa m fanela a be nje ngabazalwane bake, ngako konke; ukuze a be umPristi omkulu ohaukelayo, notembekayo, ngokuka Tixo, a ze a ba hlaulele abantu ngezono zabo.

isa. 4. 15. & 5. 1, 2.

18 Ngokuba, loku e hlupekile yena e lingwa, a nga ba siza abalingwayo.

isa. 7. 25.

### ISAHLUKO 3.

**N** GALOKU, bazalwane abangewele, nabahlanganyela ukubizwa kwa sezulwini, qondani umPostoli nomPristi omkulu wokukolwa kwetu, uKristu Jesu;

Rome 1. 7. & 15. 8. Fil. 3. 14.

2 Tes. 1. 11. 2 Tim. 1. 9. 2 Pet. 1. 10.

isa. 2. 17 & 4. 14. & 5. 5. & 6. 20 & 8. 1.

& 9. 11. & 10. 21.

2 O wa e tembeka kuyena o wa m beka-ayo, njengoMosi wa e tembeka kuyo yonde indhlu yake. 1 Sam. 12. 6. Imib. 12. 7.

3 Ku tiwa lo u fanele ukudunyiswa ku noMosi, loku o yakileyo indhlu u nokudunyiswa ku nayo indhlu.

Zek. 6. 12. Mat. 16. 18.

4 Ileyo indhlu yakiwa otile; kepa yena, o waka konke, u nguTixo.

Ef. 2. 10. isa. 1. 2.

5 uMosi wa e tembeka kuyo younke indhlu yake njengokonzayo, ku qiniswa o be ku za kutyiwo;

Eks. 14. 31.

Imib. 12. 7. Josh. 1. 2. & 8. 31.

Dut. 18. 15, 18, 19.

6 Kepa uKristu njengomntwana pezu kwendhlu yake; esi indhlu yake tina, uma si qinisa si be nesibindi nokutokoza kwetemba, ku ze ku be sekupeleni.

isa. 1. 2. & 6. 11. 1 Kor. 3. 16. Ef. 2. 22.

1 Tim. 3. 15. 1 Pet. 2. 5. Mat. 10. 22.

& 24. 13. Rome 5. 2. Kol. 1. 23. isa. 10. 35.

7 Ngako, njengokutyo kuka Moya o ingeweke, ukuti, Namhla uma ni ya kulizwa izwi lake,

2 Sam. 23. 2. Imis. 1. 16. Izihl. 95. 7-11.

8 Ni nga zenzi lukuni izinhliziyu zenu, njenga sekucunuleni, ngonhla wokulingwa ehlane;

9 Lapo oyihlo ba ngi linga, ba ngi cupa, ba bona imisebenzi yami iminyaka emashumi amane.

10 Ngaloko nga eunuka nga lesosizukulwane, nga ti, Ba yeduka njalo ezinhliziyeni zabo; a ba zange ba zazi izindhlela zani;

11 Nga za nga funga ekutukuteleni kwami, nga ti, a ba so ze ba ngena ekupumuleni kwami.

12 Bhekali, bazalwane, funa ku be kona kinina o nenhliziyu embi, enga kolwayo, i hlubuka kuTixo opilayo.

13 Kepa a no lulekana, imihla ngemihla, ku sa tiwa Namhla; ku ngenziwa lukuni amuntu wa kini ngokukohlisa kokona.

14 Ngokuba si hlanganyele uKristu, uma si qinisa, si ku bambe ukwetemba kwetu okokuqala ku ze ku be sekupeleli;

15 Nxa ku tyiwo, Namhla, uma ni ya kulizwa-izwi lake, ni nga zenzi lukuni izinhliziyu zenu, njenga sekucunuleni.

16 Kepa ibapi abezwayo ba cunula na? A sibo bonke aba puma Egipte ngaye uMosi na? Imib. 14. 2, 4, 11, 24, 30.

Dut. 1. 34-38.

17 Ibapi a ba tukutelayo iminyaka emashumi amane na? A sibo abonayo, izidumbu zabo za wa ehlane na?

Imib. 14. 29, 30. Izihl. 106. 26. Jude 5.

18 Ibapi a funga kubo ngokuti, A ba so ze ba ngena ekupumuleni kwake, uma be nge sibo a ba nga kolwanga?

Dut. 1. 34, 35.

19 Si ya bona, ba be nge nakungena ngokungakolwa kwabo. isa. 4. 6.

#### ISAHLUKO 4.

**N**GAKO, loku se si kona isitembiso sokungena ekupumuleni kwake, a si xwaye, ku nga bi ko wa kini o nga finyeleliyo kuko. isa. 12. 15.

2 Ngokuba nati si shunyayezwe izindaba ezinhle njengabo, kepa izwi aba li zwayo a li ba sizanga bona, li nga hlanganiswa nokukulwa kwaba li zwayo.

3 Ngokuba tina esikolwayo, si ya ngena ekupumuleni kwake, njengokutyo kwake, ukuti, Nga za nga funga ekutukuteleni kwami, nga ti, a ba so ze ba ngena ekupumuleni kwami; kepa imisebenzi yake ya fezwa ekusekelweni komhlaba. Izihl. 95. 11. isa. 3. 11, 14.

4 Ngokuba u tyilo endaweni etile ngosuku lwesikombisa, e ti, uTixo wa pumula ngosuku lwesikombisa emisebenzini yonke yake; Gen 2. 2.

Eks. 20. 11. & 31. 17.

5 Na ku lendawo u ti, A ba yi ku ngena ekupumuleni kwami.

6 Ngako, loku ukungena kuko ku ba salela abanye, na loku aba ku shunya-yezwa kuqala a ba ngenanga ngokungakolwa, isa. 3. 19.

7 U buya u nqume usuku, u tyo ngo-Davida ukuti, Namhla, eniva kwesikati esingaka njengokutyiwo ukuti, Namhla, uma ni ya kulizwa izwi lake, ni nga zenzi lukuni izinhliziyu zenu.

Izihl. 95. 7. isa. 3. 7.

8 Uma uJoshua wa be e ba nikile ukupumula, wa e nga kulumanga ngolunye usuku eniva kwa loko.

9 Ngakoke ku ba salela abantu baka Tixo ukupumula.

10 Ngokuba lowo o ngenileyo ekupumuleni kwake; u pumulile naye emisebenzini yake, njengoTixo kweyake.

11 Ngako a si zame ukungena ku kokupumula, a nga ze a we umuntu nga lesosiboniso sokungakolwa.

isa. 3. 12, 18, 19.

12 Ngokuba izwi lika Tixo li pilile, li namandhla, li bukali ku nezinkemba zonke ezi sika ngezinhlangothi zombili; li hlaba ku ze kwahlukaniswe umpefumlo nomoya, amalungu nomkantya; li zwisisa ukucabanga nokuzindhla kwenhliziyu.

Isai. 49. 2. Jer. 23. 29. 1 Pet. 1. 23.

Ef. 6. 17. 1 Kor. 14. 25.

13 A ku konto e datyuliweyo, e nga

bonwayo uye; konke kwambuliwe, ku penyiwe emehlweni ake, esi ya kulanda kuye. Izihl. 33. 13, 14.

& 90. 8. & 139. 11, 12. Jobe 26. 6.

14 Ngako, loku si nomPristi omkulu kakulu, o dhlulele ezulwini, uJesu iNdodana ka Tixo, a si bambelele ekukulweni kwetu.

isa. 3. 1. & 7. 26. & 9. 12, 24. & 10. 23.

15 Ngokuba a si naye umpristi omkulu o nge si haukele ubutakataka; kepa u lingisiwe okwetu ngako konke; e nge nasono.

Isai. 53. 3.

isa. 2. 18. & 7. 26. Luk. 22. 28. 2 Kor. 5. 21.

1 Pet. 2. 22. 1 John. 3. 5.

16 Ngako a si sondele esihlalweni somusa, si mi sibindi, ukuba samkeliswe isihau, si tole umusa wokusiza ngesikati esifaneleyo. Ef. 2. 18. & 3. 12. isa. 10. 19.

### ISAHLUKO 5.

**B**ONKE abapristi abakulu, aba ketwa kubantu, ba miselwa abantu ngokuka Tixo, ukuze ba nikele iminikelo nemihlatyelo ngenxa yezono;

isa. 2. 17. & 8. 3. & 9. 9. & 10. 11. & 11. 4.

2 Ba nga bekezela kwabangaziyo nabedukileyo; ngokuba be pahliwe ubutakataka nabo; isa 2. 18. & 4. 15. & 7. 28.

3 Ngaloku ku ba fanele, ba zi nikele ngezono zabo, njengokuba ba nikela ngezono zabantu.

Levi 4. 3.

& 9. 7. & 16. 6. 15. 17. isa. 7. 27. & 9. 7.

4 A ku ko muntu o zitabatela lomsebenzi omkulu; yena o bizwa uTixo kupela, njengaye uAroni. 1 Kron. 23. 13.

2 Kron. 26. 18. John. 3. 27. Eks. 23. 1.

Imib. 16. 5, 40.

5 Njalo uKristu ka zikulisanga yena, a be umpristi omkulu; kepa wa kuliswa uyena, o wa tyo kuye ukuti, U iNdodana yami wena, ngi ku zele namhla;

John. 8. 54. Izihl. 2. 7. isa. 1. 5.

6 Njengokutyo kwake na kwenye indawo, ukuti, Wena u umpristi ku ze ku be pakade, ngokokuma kuka Melkisedeki. Izihl. 110. 4. isa. 7. 17, 21.

7 Yena emihleni yenyama yake, wa kuleka, wa nxusa kuyena o namandhla okumsindisa ekufeni, e kala nokukala izinyembezi, wezwiwa ngokumesaba.

Izihl. 22. 1. Mat. 26. 37-44. & 27. 46.

Mark 14. 33, 36, 39. & 15. 34, 37.

Luk. 22. 43. John. 12. 27.

8 Noma wa e iNdodana, wa funda ukulalela ngaloko a hlupeka ngako;

isa 3. 6. Fil. 2. 8.

9 E se pelele wa ba umsindisi kubo

bonke aba m lalelayo, ba be nokusindiswa okupakade;

10 E bizwa uTixo ngokuti, umPristi omkulu ngokokuma kuka Melkisedeki. isa. 6. 20.

11 Si nokushamayela okuningi ngaye, ku lukuni ukucasisela, loku ku butuntu ukuzwa kwenu. John. 16. 12. 2 Pet. 3. 16.

Mat. 13. 15.

12 Ngokuba, noma nga ni be abafundisi, ngenxa yesikati ni sa dinga ukuba ni buye, ni fundiswe izifundiso zokuqala zamazwi ka Tixo; ni sa fanele ubisi, a ni fanele ukudhla okuqinileyo.

isa. 6. 1. 1 Kor. 3. 1-3.

13 Ngokuba lowo o dhlayo ubisi ka nakwazi ezwini lokulunga; u ingane.

1 Pet. 2. 2. 1 Kor. 2. 6. & 13. 11. Ef. 4. 13, 14.

Fil. 3. 15.

14 Kepa ukudhla okuqinileyo ku ngokwabakulile, abafundile ukuzwisisa ngokujwayela, ba ze bahlukanise okuhle nokubi. Isai. 7. 15. 1 Kor. 2. 14, 15.

### ISAHLUKO 6.

**N**NGAKO a si yeke indaba yokuqala ka Kristu, si dhlule si ze si pelele; ni nga buyi ni beke isisekelo sokuti, ukupenduka emisebenziini efuleyo, nokukolwa kuTixo, Fil. 3. 13, 14.

isa. 5. 12. & 9. 14.

2 Nesifundiso sokubapatizwa, nokubeka izandhla, nokuyuka kwabafuleyo, nokulahlwa okupakade. Imis. 8. 14-17. & 17. 31, 32. & 19. 4-6. & 24. 25. Rome 2. 16.

3 Si ya kukwenza loku, uma uTixo e vuma. Imis. 18. 21.

4 Ngokuba ku ngenzeke, ukuba labo a se be kanyisiwe, bezwa isipiwo sa sezulwini, ba hlanganyela uMoya o ingewele, Mat. 12. 31. isa. 10. 26, 32. John. 4. 10.

Ef. 2. 8. Gal. 3. 2.

5 Bezwa izwi elilungileyo lika Tixo, namandhla ezwe elizayo, isa 2. 5.

6 Uma be hlubuka, ku ngenzeke, ukuba ba buyiselwe ekupendukeni, loku be pinda ba zibetelela iNdodana ka Tixo ba i tela ihlazo. isa. 10. 29.

7 Umhlabati o puza imvula e fika kainingi pezu kwawo, u veza imiti e ba fanele aba u limayo, u piwa inihlanhla uTixo; Izihl. 65. 10.

8 Kepa uma u veza ameva nokula, walekile, u su za kutukwa; ukupela kwawo ku ukutyiswa. Isai. 5. 6.

9 Kepa, bafandekayo, si yetemba okuhle ngani, oku ku fanele ukusindiswa, noma si kuluma okunje.



10 Ngokuba uTixo a siye o nga lungile ukuba a kohlwe imisebenzi yenu, nokutanda kwenu, ena ku bonakalisa egameni lake, ngokukonza abangeweke, namanje ni sa ba konza. Amazwi 14 31.

1 Tes. 1. 3. 2 Tes. 1. 6, 7. Rome 15. 25.  
2 Tim. 1. 18.

11 Kepa si nxanele ukuba nina nonke ni bonakalise lokukuqinisa, li pelele itemba, ku ze ku be sekupeleni;

isa. 3. 6. Kol. 2. 2.

12 Ukuba ni nga bi butuntu kodwa ni ba lingise aba li dhla ifa lesitembiso ngokukulwa, na ngokubekezela.

isa. 10. 36.

13 Lapo uTixo wa m emebisa uAbrahama, wa zifunga yena, ngokuba wa e nge ko omkulu a nga m funga yena.

Gen. 22. 16, 17. Izihl. 105. 9. Luk. 1. 73.

14 Wa ti, Mpela, ngi ya kukubusisa nokukubusisa, ngi ya kukwandisa nokukwandisa.

15 Kwa njalo, e se bekezele, wa zuza a ku tenjiswayo.

16 Abantu ba funga omkulu; kubona ukuqinisa ngokufunga ku ya qeda ukupikisa konke.

Eks. 22. 11.

17 Ngaloku uTixo, e tanda ukubonisa izindhlamafa zesitembiso ukuti, isimiso sake a si nakuguqulwa, wa qinisa ngokufunga;

isa. 11. 9. Rome 11. 29.

18 Ukuze ngezinto ezimbili ezi nge nakuguqulwa, uTixo a nge qambe amanga ngazo, si be nokutokozwa okumiyo, tina esibalekile ukuba si bambe itemba esi li bekelweyo;

isa. 12. 1.

19 Esi nalo li njengeankora lompefumlo, li mi li qinile, li ngena ku loko oku pakati kweveli;

Levi 16. 15. isa. 9. 7.

20 Lapo uJesu, osanduleleyo, wa ngena, e ngumpristi omkulu ku ze ku be pakade, ngokuma kuka Melkisedeki.

isa. 3. 1. & 4. 14. & 5. 6. & 9. 24.

### ISAHLUKO 7.

**N**NGOKUBA uMelkisedeki lowo, inkosi ya seSalemi, umpristi ka Tixo o pezu kwako konke, o wa m hlangebaza uAbrahama e buya kubulala amakosi, wa m busisa.

Gen. 14. 18-20.

2 uAbrahama wa m abela okweshumi kuko konke; u tiwa kuqala ngokukumshwa, Inkosi yokulunga; ngasenwa kwa loko, Inkosi ya seSalemi, okuti, Inkosi yokutula;

3 E nge nayise, e nge nanina, e nge nakoko, e nge nakuqala kwezinsuku, e nge nakupela kokupila; kepa u ya

fana neNdodana ka Tixo, u umpristi njalo.

4 Qondani ukuba wa e ngakanani lomuntu, o wa piwa uAbrahama ukoko okweshumi kwa loko a ku dhlayo.

5 Aba ngamadodana ka Levi, abamkeliswa ubupristi, ba yalwa ngomteto ukutabata okweshumi kubantu, ngi tyo aba kubo, noma be pume okalweni luka Abrahama;

Imib. 18. 21, 26.

6 Kepa yena e nga velanga kubo ngokuzalwa; wa tabata okweshumi kuAbrahama, wa m busisa yena o wa e nesitembiso.

Rome 4. 13. Gal. 3. 16.

7 A ku nakupikiswa loku, ukuti, omneinyane u ya busiswa onkulu.

8 Lapa abantu abafayo ba tabata okweshumi; kepa lapo wa ku tabata yena oku qiniswa ngaye ukuti, u kona.

isa. 5. 6.

9 Futi, ngi nga tyo ukuti, uLevi, o wa tabata okweshumi, wa tela okweshumi ngaye uAbrahama.

10 Ngokuba wa e sokalweni luka yise, msukwana uMelkisedeki wa hlangu naye.

11 Ngakoke uma ukupelela kwa ya ngobupristi buka Levi, (ngokuba abantu ba piwa umteto nga lobobupristi,) kwa dingekelani ukuba ku vele omunye umpristi, e ngokuma kuka Melkisedeki, e nga tiwa umpristi ngokuma kuka Aroni;

Gal. 2. 21. isa. 8. 7.

12 Ngokuba, uma ku pendulwa ubupristi, ku dingeka ku pendulwe nawo umteto.

13 Kepa yena oku shunyayelwa ngaye loku, wa e ngowesinye isizwe, e nge ko kuso umuntu o konzileyo elatini.

14 Ngokuba ku sobala ukuti, iNkosi yetu ya vela kuJuda ngokuzalwa; isizwe uMosi a nga tyongo luto ngobupristi baso.

Isai. 11. 1. Mat. 1. 3.

Luk. 3. 33. Isam. 5. 5.

15 Ku sobala kakulu, loku ku vela omunye umpristi e ngokuma kuka Melkisedeki,

16 O nga velanga ngomteto womyalo o ngokwenyama; wa vela ngamandhla okupila okungapeliyo.

17 Ngokuba ku qiniswa, ku tiwa, Wena u ngumpristi ku ze ku be pakade ngokuma kuka Melkisedeki.

Izihl. 110. 4. isa. 5. 6.

18 Umyalo wokuqala u ya pela, ngokuba u butakataka, a u siza luto.

Rome 8. 3. Gal. 4. 9.

19 Umteto a u lwenzanga uto lu pele-

le; kepa kwa ngeniswa itemba elihle, esi sondela kuTixo ngalo.

Gal. 2. 16. & 3. 24. isa. 6. 18. & 8. 6. & 9. 9. Rome 5. 2. Ef. 2. 18. & 3. 12. isa. 4. 16. & 10. 19.

20 Futi, loku e nga bekwanga umpristi ngapandhle kokufunga;

21 (Ngokuba labo ba bekwa abapristi ngapandhle kokufunga; kepa yena wa bekwa ngokufunga, wa bekwa uye o wa tyo kuye, wa ti, iNkosi ya funga, a i yi kupenduka, ya ti, Wena u ngumpristi ku ze ku be pakade ngokuma kuka Melkisedeki;) Izihl. 110. 4.

22 Ngaloku uJesu u ngumqinisi wesivumelwano esihle ku nesokuqala.

isa. 8. 6.

23 Labo ba be baningi aba bekwa abapristi; ngokuba ba nqatyelwa ukufa ukuba ba hlale njalo;

24 Kepa yena, ngokuba e hlala ku ze ku be pakade, u nobupristi obunganqamukiyo.

25 Ngaloku u namandhla impela okubasindisa abezayo kuTixo ngaye, loku e pila njalo ukubamela.

Rome 8. 34. isa. 9. 24. 1 John. 2. 1.

26 Wa si fanela umpristi omkulu onje, o ingewele, omnene, o nge nasono, o nga hlangene nezoni, opakamileyo ku nezulu;

isa. 4. 15. & 8. 1. Ef. 1. 20.

27 O nga dingi imihla ngemihla, njenga labapristi, ukunikela iminikelo, be qala ba i nikela ngezono zabo, bandu kuinikela ngezono zabantu; ngokuba wenza loko kanye kupela, lapo wa zinikela yena.

Levi 9. 7. & 16. 6, 11.

isa. 5. 3. & 9. 12, 28. Rome 6. 10. & 10. 12.

28 Ngomteto abantu ababutakataka ba bekwa abapristi abakulu; kepa ngezwi lokufunga, oku ngasemva komteto, ku bekwa iNdodana, i pelele ku ze ku be pakade.

isa. 2. 10. & 5. 1, 9.

### ISAHLUKO 8.

**K**EPA into enkulu ku lezizinto esi kuluma ngazo, iloku ukuti, Si nompristi omkulu onje, owa ya wa hlala ngakwesokuunene sesihlalo soBukulu ezulwini;

isa. 1. 3. & 12. 2.

2 Isikonzi saloku oku ingewele, nesotentente oqinisileyo, eya m misayo iNkosi, e nga miswa muntu.

isa. 9. 8, 11, 12, 24.

3 Abapristi abakulu bonke ba miselwa ukunikela iminikelo nemihlatyelo; ngako ku fanele ukuba naye lo a be nako a nga ku nikelayo.

isa. 5. 1. Ef. 5. 2. isa. 9. 14.

4 Uma wa be e kona emhlabeni, nga e nga banga umpristi, loku be kona abapristi aba nikela iminikelo ngokomteto;

5 Aba konza ngesiboniso na ngesitunzi sokwa zesulwini; njengokuba uMosi wa yalwa uTixo, e se za kwaka utente; ngokuba u ti, Bheka, u kwenze konke ngokuma o wa ku boniswa entabeni.

Kol. 2. 17. isa. 9. 23. & 10. 1. || Eks. 25. 40.

Imib. 8. 4. Imis. 7. 44.

6 Kepa u yankeliswe inkonzo enhle, loku u ngumLamuli wesivumelwano esihle, esi misive ngezitembiso ezinhle.

isa. 7. 22.

7 Ngokuba uma lesosivumelwano sokuqala be si nge nacala, nga i nga funwa indawo yesesibili.

isa. 7. 11, 18.

8 Kepa e sola u ti kubo, Bheka, izinsuku zi yeza, i tyo iNkosi, engi ya kwenza ngazo isivumelwano esitya nendhlu ka Israeli, na nendhlu ka Juda;

Jer. 31. 31-34.

9 Si nga bi njengesivumelwano engu senzayo noyise, misukwana nga pata isandhla sabo ukubakipa ezweni lasEgipite; ngokuba labo aba hlalanga esivumelwaneni sami, nami a ngi ba naka nga, i tyo iNkosi.

10 Kepa ilesi si isivumelwano engi ya kusenza nendhlu ka Israeli ngasemva kwa lezozinsuku, i tyo iNkosi; ngi ya kubeka imiteto yami ekuzindhleni kwabo, ngi i lobe ezinhliziyweni zabo; ngi ya kuba uTixo wabo, ba ya kuba abantu bami;

isa. 10. 16. Zek. 8. 8.

11 A ba yi kufundisa, ilowo a fundise o wakelene naye, ilowo a fundise umfo wabo, ngokuti, yazi iNkosi; ngokuba bonke ba ya kungazi, abancinyane nabakulu.

Isai. 54. 13. John. 6. 45. 1 John. 2. 27.

12 Ngi ya kuhaukela ukungalungi kwabo; ukona kwabo nokubi kwabo ngi nga be ngi sa ku kumbula.

Rome 11. 27. isa. 10. 17.

13 Ngokuti, Isivumelwano esitya, u senze si dala esokuqala. O se kudala, ku gugile se ku za kunyamalala.

2 Kor. 5. 17.

### ISAHLUKO 9.

**K**EPA isivumelwano sokuqala sa si nemikuba yokukonza, nendawo engewele ya lelizwe.

Eks. 25. 8.

2 Ngokuba wakiwa utente owokuqala, okwa ku kona kuye uti lwesibani,

netebula, nezinkwa zokubhekela, o tiwa ongewele.

Eks. 25. 23, 30, 31. & 26. 1, 35. & 40. 4.

Levi 24. 5, 6.

3 Ngasemva kweveli lesibili utente o tiwa ongewelengewe;

Eks. 26. 31, 33. & 40. 3, 21. isa. 6. 19.

4 E nesitya segolide sokutyisa impepo, nompongolo wesivumelwano u namekwa ngegolide inxa zonke, okwa ku kona kuwo ukamba lwegolide olu nemanana, nenduku ka Aroni eya hlumayo, nezibhebhe zesivumelwano;

Eks. 16. 33, 34. & 25. 10, 21. & 34. 29. & 40. 3, 20, 21. Imib. 17. 10. Dut. 10. 2, 5.

1 Ama. 8. 9, 21. 2 Kron. 5. 10

5 Pezu kwawo kwa ku kona amakerubi obukosi, a sifa isihlalo somusa, esi nge nakukuluma ngako ngakunye.

Eks. 25. 18-22. Levi 16. 2. 1 Ama. 8. 6, 7.

6 Se zi lungisiwe lezozinto ngokunjalo, abapristi ba ngena ngezikati zonke kuye utente wokuqala, be sebenza imisebenzi yokukonza.

Imib. 28. 3.

7 Kepa kowesibili wa ngena umpristi omkulu yedwa kanye ngomnyaka, e nga ngeni li nge ko igazi, a li nikelayo ngezono zake na ngezabantu;

Eks. 30. 10. Levi 16. 2, 15, 34. isa. 5. 3.

& 7. 27.

8 uMoya o ingewele e bonisa loku, ukuti, a i kenziwa i be sobala indhlela e ya endaweni engewele, e se mi utente wokuqala;

isa. 10. 20. John. 14. 6.

9 Owokulinganisa ku se ku be manje, oku nikelwa ngaso iminikelo, nemihlatyelo, e nge nakuyenza i pelele inhliziyoyake okonzayo.

isa. 7. 19. & 10. 1, 11.

10 Ku bekwa, kanye nokudhla, nokupuza, nokuhlanya ngokuhlanya, imikuba yokwenyama, ku bekwa ku ze ku fike isikati sokulungisa kupela.

Levi 11. 2. Imib. 19. 7. Ef. 2. 15.

Kol. 2. 16, 20. isa. 7. 16.

11 Kepa e se fikile uKristu umpristi omkulu wezinto ezilungileyo ezi zayo, wa dhlula wa ya kuye utente omkulu, opeleleyo, o ngenziwanga ngezandhla, oku ukuti, o nge siye wa lokukudabuka;

isa. 3. 1. & 10. 1. & 8. 2.

12 Ka ngenanga ngegazi lezimbuzi nelezinkonyana; kepa ngegazi lake wa ngena kanye kupela endaweni engewele, wa si zuzela ukuhlangwa okupakade.

isa. 10. 4, 10. Imis. 20. 28. Zek. 3. 9.

Dan. 9. 24.

13 Ngokuba uma ukufafaza abangcolileyo ngegazi lezinkunzi nelezimbuzi,

nomlota wesitole ku hlanza, ku ze ku be mhlope okwenyama;

Levi. 16. 14. 16. Imib. 19. 2, 17.

14 Kakulu kakulu igazi lika Kristu, o wa zinikela e nge nacala kuTixo, ngaye uMoya o ingewele, li za kuhlanza izinhliziyozenu, ku nga bi ko imisebenzi efileyo, ni ze ni konze uTixo opilayo.

1 Pet. 1. 19. & 3. 18. Isam. 1. 5. Rome 1. 4.

isa. 1. 3. & 6. 1. & 7. 27. & 10. 22.

1 Pet. 4. 2.

15 Ngaloku u umlamuli wesivumelwano esitya, ukuze, loku wa fa ukubahlenga ezonweni ezenziwa si kona isivumelwano sokuqala, ababizweyo wa hlanganyele ifa ela tenjiswayo elimakade.

isa. 3. 1.

16 Lapa ku kona isivumelwano, nga ku ba kona nokufa ko wa senzayo.

17 Ngokuba isivumelwano si namandhla emva kokufa; kepa ka si namandhla nxa e kona owa senzayo.

Gal. 3. 15.

18 Ngaloku isivumelwano sokuqala a si qiniswanga ngapandhle kwegazi.

Eks. 24. 6-8.

19 Ngokuba uMosi, e se i memezele imiyalo yonke kubantu bonke, ngomteto, wa li tabata igazi lezinkonyana nelezimbuzi, kanye namanzi, noboya obubomvu, nehisope, wa fafaza inewadi nabantu bonke,

Levi 14. 4-7, 49-52. & 16. 14-19.

20 E ti, Leli li igazi lesivumelwano, uTixo a ni yale ngaso.

Eks. 24. 8. Mat. 26. 28.

21 Futi, wa fafaza ngegazi utente, nezitya zonke zokukonza.

Eks. 29. 12, 36. Levi 8. 15, 19.

22 Yebo, ngomteto invama yezinto i ya hlanjululwa ngegazi; a ku bi ko ukutetelela, uma ku nga telwa igazi.

Levi 17. 11.

23 Kwa ku fanele ukuba imifanekiso yoku sezulwini i hlanjululwe nga lezozinto; kepa oku sezulwini, uqobo lwa-ko, nga ku hlanjululwa ngeminikelo emihle ku na leyo.

isa. 8. 5.

24 Ngokuba uKristu ka ngenanga endaweni engewele eyenziwa ngezandhla, e ngumfanekiso ya leyo e iyo isiminya; wa ngena ezulwini uqobo lwalo, e ya kusimela pambi kuka Tixo.

isa. 6. 20. & 7. 25. & 8. 2. Rome 8. 34.

1 John. 2. 1.

25 Kepa ka ngenanga ukuba a zinikele futufuti njengompristi o ngena endaweni engewele iminyaka ngeminyaka, e pete igazi eli nge silo elake;

26 Ngokuba, uma kwa ku njalo, nga e hlupeka futifuti iloku kwa dabuka umhlaba; kodwa u bonakele ku be kanye ekugekeni kwezikati, ukuba a suse izono ngokuzinikela yena, a be umhlatyelo. isa. 7. 27. & 10. 10. 1 Pet. 3.18. Gal. 4. 4.

27 Futi, loku ku miselwa ukuba abantu ba fe kanye, bandu kwabelwa; Gen. 3. 19. Isam. 20. 12.

28 Ku njalo uKristu, e se zinikele kanye, ukuba a twale izono zabaningi, u ya kubuya a bonakale, e nge nasono, a ze a ba sindise aba m bhekayo.

1 Pet. 2. 24. Mat. 26. 28. Rome 5. 15. Titusi 2. 13.

ISAHLUKO 10.

**U**MTETO, u isitunzi sezinto ezilungileyo ezi zayo, u nge siwo umfanekiso wa lezozinto, uqobo lwawo, nga leyo iminikelo, e nikelwa njalunjalo iminyaka ngeminyaka, u nge ze wa benza ba pelele abezayo kuyo. Kol. 2.17.

isa. 8. 5. & 9. 9, 11, 23.

2 Uma kwa ku njalo, nga i nga nqamukanga ukunikelwa na? loku abakonzayo se be lilanjulwe kanye, ba be nga sa yi kuba nalo uvalo ngezono.

3 Kepa nga leyominikelo izono zi ya kunjulwa iminyaka ngeminyaka.

Levi 16. 21. isa. 9. 7.

4 Ngokuba igazi lezinkunzi nelezi mbuzi li nge ke li suse izono.

Mika 6. 6, 7. isa. 9. 13.

5 Ngako, e sa fika emhlabeni, u ti, A u tandi umhlatyelo nomnikelo; kepa u ngi lungisele umzimba; Izihl. 40. 6. & 50. 8. Isai. 1. 11. Jer. 6. 20. Amosi 5. 21.

6 A ku kuhle kuwe iminikelo yokutya, nokuhlatelyelwa izono.

7 Kona nga ti, Bheka, ngi ze kuyenza intando yako, Tixo, (ku lotyiwe ngami encwadini.)

8 Wa qala wa ti, A u tandi imihlatyelo neminikelo, neminikelo yokutya, nokuhlatelyelwa izono; a ku kuhle kuwe; (oku nikelwa ngomteto;)

9 Wandu kuti, Bheka, ngi ze kuyenza intando yako, Tixo, U ya susa okokuqala, ukuba a qinise okwesibili.

10 Nga lentando si lilanjululwe, ngokunikelwa komzimba ka Jesu Kristu ku be kanye. John. 17. 19. & 13. 12. isa. 9. 12.

11 Kepa abapristi bonke be mi, be konza imihla ngemihla, be nikelwa futifuti yona leyo iminikelo, e nge ke i suse izono; Imib. 28. 3. isa. 7. 27.

12 Kepa yena lo, e se nikele umnikelo munye ngezono, wa ya kuhlala ngakwesokunene sika Tixo ku ze ku be pakade; Kol. 3. 1. isa. 1. 3.

13 E se za kubheka njalo ku ze ku ti aba izita kuye ba be isenabelo sezinyawo zake. Izihl. 110. 1. Imis. 2. 35. 1 Kor. 15. 25. isa. 1. 13.

14 Ngokuba ngomnikelo munye u benzile ba pelele njalunjalo abahlanjululweyo.

15 Futi, uMoya o ingewele u ya qinisa kitina; ngokuba e se tyilo ukuti,

16 Ilesi isivumelwano, engi za kusenza nabo ngasemva kwa lezozinsuku, i ya tyo iNkosi, Ngi ya kubeka imiteto yami ezinhliziyweni zabo, ngi i lobe ekuzindhleni kwabo, Jer. 31. 33. isa. 8. 10.

17 Ngi nga be ngi sa kumbula ukona kwabo nokubi kwabo.

18 Kepa nxa ku tetelwe loku, a ku se ko ukunikelwa ngezono.

19 Ngako, bazalwane, loku si netemba lokungena endaweni engewele ngegazi lika Jesu, Rome 5. 2.

20 Ngendhlela entya, eyokuphila, a si dabulele yona, ngeveli, eli ukuti inyama yake; John. 10. 9. & 14. 6. isa. 9. 3, 8.

21 Na loku si nonpristi omkulu e pezu kwendhlu ka Tixo; isa. 4. 14. 1 Tim. 3. 15.

22 A si sondele ngenhliziyo eqinisi-leyo, ngokwetemba okupeleleyo, si nezinhliziyi ezi fafaze ku nga bi ko uvalo ngokubi, si nemizimba e hlanzwe ngamanzi amahle; isa. 4. 16. & 9. 14. Jak. 1. 6. 1 John. 3. 21. || Hez. 36. 25.

2 Kor. 7. 1.

23 A si bambisise itemba lokukulwa kwetu; (ngokuba u qinsile yena o si tembisayo;)

isa. 4. 14. & 11. 11. 1 Kor. 1. 9.

24 A si qondane, ukuze si vuselane ukutanda nokwenza okulungileyo;

25 Si nga yeki ukuhlangana njengabanye; kepa a si yalane; kakulu loku ni bona usuku lu sondela. Imis. 2. 42. Jude 19. Rome 13. 11. Fil. 4. 5.

2 Pet. 3. 9, 11, 14.

26 Uma sona ngamabomu, se si lazi iqiniso, a ku se ko umnikelo ngezono, Imib. 15. 30. isa. 6. 4. 2 Pet. 2. 20.

27 Kepa ku si hlalele ukulahlwa okusabekayo, yebo, ulaka oluvusiweyo, olu za kuqeda abapikayo. Hez. 36. 5. Zef. 1. 18. & 3. 8. 2 Tes. 1. 8.

28 O wa delayo umteto ka Mosi wa fa,

e nga haukelwa, nxa be kona ofakazi ababili, noma be batatu; isa. 2. 2.

Dut. 17. 2, 6.

29 Ni tini? u fanele ukuhlupeka okungakanani, yena o nyatele pausi iNdodana ka Tixo, o ti, igazi lesivumelwano, a hlanjululwa ngalo, li igazi nje, e m dela uMoya womusa? isa. 2. 3. & 13. 20. 1 Kor. 11. 29. Mat. 12. 31, 32. Ef. 4. 30.

30 Si ya m azi o wa ti, ku ngokwami ukupindisa; ngi ya kupindisa mina; i tyo iNkosi; wa ti futi, iNkosi i ya kubahlulela abantu bake. Dut. 32. 35, 36.

Rome 12. 19. Izihl. 50. 4. & 135. 14.

31 Ku yesabeka ukuwela ezandhleni zika Tixo opilayo. Luk. 12. 5.

32 Kepa zi kumbuleni izinsuku zokugala, ena bekezela ngazo ekulweni okukulu nezinhlupeko, lapo se ni kanyisiwe; Gal. 3. 4. 2 John. 8.

isa. 6. 4. Kol. 2. 1.

33 Nganxanye ngokuba nenzwa abokubukwa ngokutukwa, na ngokuhlutywa; nganxanye ngokuba na ni hlanganyela naba patwa ngokunje.

1 Kor. 4. 9. 1 Tes. 2. 14.

34 Na ngi hatkela ekubotyweni kwami, na bekezela ngokujabula ekupangweni kwemfuyo yenu, nazi ukuti, ni nayo imfuyo ezulwini, euhle emiyo.

2 Tim. 1. 16. Mat. 5. 12. & 6. 20. Jak. 1. 2.

1 Tim. 6. 19.

35 Ngako a ni nga lahli itemba lenu, eli nomvuzo omkulu. Mat. 10. 32.

36 Ku fanele ni be nokubekezela, ukuzeni ni kwenze okwentanda ka Tixo, namkeliswe okwa tenjisiwayo. Luk. 21. 19.

Gal. 6. 9. isa. 9. 15. & 12. 1.

37 Se ku isikatyana, kona ozayo u ya kufika; ka yi kulibala. Luk. 18. 8.

Hab. 2. 3, 4.

38 Kepa olungileyo u ya kupila ngokulwa; kodwa uma umuntu e hlehla nyovane, inhliziyo yami a i nakutokoza ngaye. Rome 1. 17. Gal. 3. 11.

39 Kepa tina a si sibo abahlahlayo, ba ze ba bujiswe; si ngabakolwayo, ku ze ku sindiswe umpefumlo. 2 Pet. 2. 20, 21.

Imis. 16. 31. 1 Tes. 5. 9.

### ISAHLUKO 11.

**U**KUKOLWA ku ukwetemba okubhekwayo, ku ukubona okungabonwayo.

Rome 8. 24, 25. 2 Kor. 4. 18, & 5. 7.

2 Ba tuswa ngako oyise.

3 Ngokukolwa si ya bona, ukuti, amazwe a datyulwa ngezwi lika Tixo, kwa

za kwa ti, izinto ezibonwayo a zenziwanga ngezinto ezibonakalayo. Gen. 1. 1.

2 Pet. 3. 5.

4 Ngokukolwa uAbela wa nikela kuTixo umnikelo omuhle ku noka Kani, wa vunyelwa ngako, kwa tiwa, u lungile, uTixo e vumela iminikelo yake; na ngako, noma e file, u sa kuluma.

Gen. 4. 4, 10. isa. 12. 24.

5 Ngokukolwa uEnoke wa tatyatwa, a nga ku zwa ukufa; ka be e sa bonwa, ngokuba uTixo wa ba e m tabatile; e nga ka tatyatwa wa vunyelwa, kwa tiwa, u lungile kuTixo. Gen. 5. 22, 24.

6 Kepa ngapandhle kokukulwa ku nge ke kwenziwa okulungileyo kuye; ngokuba ozayo kuTixo, nga e kolwa, ukuti, u kona, nokuti, u ya kubavuzza abamfunayo.

7 Ngokukolwa uNoa, e yaliwe uTixo ngezinto e be zi nga ka bonwa, e m esaba, wa waka umkumbi ku ze ku sindiswe indhlu yake; wa lahla izwe ngako, wabelwa ukulunga oku ngokukulwa.

Gen. 6. 13, 22. 1 Pet. 3. 20. Rome 3. 22. & 4. 13. Fil. 3. 9.

8 Ngokukolwa uAbraham, wa lahla, e biziwe ukuba a pume a ye endaweni, a be za kuyamkeliswa, i be ifa lake; wa puma e ngazi lapa e ya kona.

Gen. 12. 1, 4. Imis. 7. 2-4.

9 Ngokukolwa wa hlala ezweni lokutenjiswa, li se elabezizwe, e hlala kote nte noIsaka noJakobe, aba ngabahlanganyeli kanye naye ba lokukutenjiswa.

Gen. 12. 8. & 13. 3, 18. & 18. 1, 9. isa. 6. 17.

10 Ngokuba wa e hlalela umuzi o nezisekelo, owakiwa wenzwa uTixo.

isa. 12. 22. & 13. 14. Isam. 21. 2, 10.

11 Ngokukolwa naye uSara wankeliswa amandhla okukulelwa, se si dhulile isikati, loku wa ti, u qinise o wa tembisayo. Gen. 17. 19.

& 18. 11, 14. & 21. 2. Luk. 1. 36. isa. 10. 23.

12 Ngako kwa vela kuye e munye, naye e se file ngokuzala, aba njengezinkauyezi ngobuningi, be ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle, esi nge nakubalwa.

Gen. 22. 17. Rome 4. 18, 19.

13 Ba fa labo bonke, be koliwe, be nga kwamkeliswanga okwa tenjisiwayo; ba ku bona ku kude, ba tokoziswa iko, ba vuma ba ti, ba ngabaugaziwayo nabahambayo emhlabeni. John. 8. 56.

Gen. 23. 4. & 47. 9. 1 Kron. 29. 15.

Izihl. 39. 12. & 119. 19. 1 Pet. 1. 17. & 2. 11.

14 Aba tyoyo okunjalo ba bonisa ukuti, ba li funa izwe. isa. 13. 14.

15 Ngokuba uma be be li kumbula izwe aba puma kulo, ba be nokubuyela kulo.

16 Kepa ba be tanda izwe ela sezulwini; elihle ku nalelo, ngako uTixo ka namahloni ngabo, nokuba a biziwe ngokutiwa uTixo wabo; ngokuba u ba lungisele umuzi.

Eks. 3. 6. Fil. 3. 20. isa. 13. 14.

17 Ngokukulwa uAbrahama e lingwa, wa m nikela uIsaka; yena o wa tenjswayo wa m nikela umntwana wake, e zelwe e yedwa. Gen. 22. 1-9. Jak. 2. 21.

18 O kwa tyiwo ngaye ukuti Inzalo yako i ya kubizwa ngaye uIsaka.

Gen. 21. 12. Rome 9. 7.

19 Wa ti, uTixo u namandhla okumvusa na kwabafileyo; nembala wa m zuza kona ngokulinganisa. Rome 4. 17-21.

20 Ngokukulwa uIsaka wa busisa uJakobe noEsau ngezinto ezizayo.

Gen. 27. 27, 39.

21 Ngokukulwa uJakobe, e se za kufa, wa busisa amadodana ka Josefa omabili; wa kuleka e neika esikandeni senduku yake. Gen. 48. 5, 16, 20, & 47. 31.

22 Ngokukulwa uJosefa, e se za kufa wa kuluma ngokupuma kwabantwana baka Israeli; wa yala ngamatambo ake.

Gen. 50. 24, 25. Eks. 13. 19.

23 Ngokukulwa uMosi, e se zelwe, wa fihlwa abazali bake izinyanga ezintatu, ngokuba be m bona e umntwana omuhle; a ba wesabanga umyalo wenkosi.

Imis. 7. 20. Eks. 1. 16, 22, & 2. 2.

24 Ngokukulwa uMosi, e se kulile; wa nqaba ukuba a tiwe indodana yendadakazi ka Faro; Eks. 2. 10, 11.

25 Wa keta ukuhlupeka kanye nabantu baka Tixo, ku nokutokoza isikati ezonweni; Izihl. 84. 10.

26 Wa ti, ukutukiswa okuka Kristu ku imfuyo enkulu ku nomcebo wonke wasEgipite; ngokuba wa bheka umvuzo. isa. 10. 35. & 13. 13.

27 Ngokukulwa wesuka Egipite, e ngesabi ulaka lwenkosi; wa e nesineke, kungati u ya m bona o nga bonwayo.

Eks. 10. 28, 29. & 12. 37. & 13. 17, 18.

28 Ngokukulwa wa geina ipasika nokufaza ngegazi, ukuba o wa bulala amazibulo a nga ba tinti bona.

Eks. 12. 21.

29 Ngokukulwa ba dabula elwandhle olubomvu, kungati emhlabatini; aba sEgipite, be linga, loko ba minza.

Eks. 14. 22-29.

30 Ngokukulwa ugange lwa seJeriko lwa wa lu haqiwe izinsuku ezi isikombisa. Josh. 6. 20.

31 Ngokukulwa uRahabi isifebe ka fanga kanye nabangakolwanga, e se zamkele izinhlozi ngobuhle. Jak. 2. 25. Josh. 2. 1.

32 Ngi za kutini futi? a kwanele isikati sokuba ngi landise ngoGidioni, noBaraki, noSamsoni, noJefta, noDavida, noSamueli, nabaprofeti;

Abahl. 4. 6. & 6. 11, 23. & 11. 1. & 12. 7.

& 13. 24. 1 Sam. 1. 20. & 12. 20.

& 16. 1, 13. & 17. 45.

33 Ngokukulwa, labo ba nqoba imibuso, ba sebenza ukulunga, ba zuza okwatenjiswayo, ba vimba imilomo yezingonyama, Abahl. 14. 5, 6.

1 Sam. 17. 34, 35. 2 Sam. 7. 11. Dan. 6. 22.

34 Ba cima amandhla omhlilo, ba pepa usiko lwenkamba, ba be namandhla aba butakataka, ba iziqwaga ekulweni, bahlula impi yabezizwe. Dan. 3. 25.

1 Sam. 20. 1. 1 Ama. 19. 3.

2 Ama. 6. 16. & 20. 7. Jobe 42. 10.

Izihl. 6. 8. Abahl. 15. 8, 15.

1 Sam. 14. 13. & 17. 51, 52. 2 Sam. 8.

35 Abesifazana bamkeliswa abafileyo babo be vukile; abanye ba tyaywa esondweni, be nga vumi ukukululwa, ukuze ba zuze ukuvuka okulungileyo;

1 Ama. 17. 22. 2 Ama. 4. 35.

36 Abanye ba lingwa ngokuhlekiswa na ngokutyaywa, yebo na ngokubotywa, na ngokufakwa etilongweni.

Gen. 39. 20. Jer. 20. 2. & 37. 15.

37 Ba kandwa ngamatye, ba nqunywa ngesaha, ba lingwa, ba fe be bulawa ngenkamba, ba ndinda bembete izikumba zezimvu, nezezimbuzi; ba swela, ba hlutywa, ba patwa kabi; 1 Ama. 21. 13. 2 Ama. 1. 8. 2 Kron. 24. 21.

Imis. 7. 53. & 14. 19. Mat. 3. 4. Zek. 13. 4.

38 (Eli nga ba fanele izwe; ba zula ehlane, na sezintabeni, na semihumeni, na semigodini yomhlaba.

1 Ama. 18. 4. & 19. 9.

39 Labo bonke, aba tuswayo ngokukulwa kwabo, a ba kwamkeliswanga okwa tenjiswayo;

40 uTixo u senzele okudhlulayo, ku ze ku ti ba nga peleli ngapandhle kwetu. isa. 5. 9. & 12. 23. Isam. 6. 11.

## ISAHLUKO 12.

**N**GAKO, loko tina si haqiwe isixuku nesingaka sofakazi, a si lahle konke oku sindayo, kakulu ukona oku si tiya-

yo, si qinise, si gijime ibanga esi li bekelweyo,

1 Kor. 9. 24. Fil. 3. 13, 14  
isa. 10. 36.

2 Si m bheke uJesu, umqalisi nomfezi wokukolwa kwetu; yena, ngokutokoza a ku bekelweyo, wa twala isipambano, e nga naki ihlazo laso, wa ya wa hlala ngokwesokunene sesihlalo sika Tixo.

Luk. 24. 26. Fil. 2. 8. 1 Pet. 1. 11.

Izihl. 110. 1. isa. 1. 3.

3 M gondeni yena o wa kutazelayo izoni se zi m vuکه kangaka, funa ni katale, ni pelamandhla.

Mat. 10. 24, 25.  
John. 15. 20. Gal. 6. 9.

4 A ni ka qinisi ku ze ku be segazini ngokulwa nokona.

1 Kor. 10. 13.  
isa. 10. 32, 34.

5 Ni kohliwe ini unyalo, o shunyayelwa kinina njenga kubantwana, wokuti, Ndodana yami, u nga deli ukujezisa kweNkosi, u pelamandhla, nxa u tetiswa iyoy;

Amazwi 3. 11.

6 Ngokuba iNkosi i ya m jezisa e m tandayo, i ba tyaye abantwana bonke e bamkelayo.

Izihl. 94. 12. & 119. 75.

7 Uma ni kutazela ekujezisweni, uTixo u ya ni patisa okwabantwana; ngokuba upi umutwana o nga jeziswa uyise na?

Dut. 8. 5. 2 Sam. 7. 14. Amazwi 13. 24.

8 Kepa uma ni nge nakujeziswa, oku kubo bonke, kona ni ngabokupingwa, a ni sibo abantwana.

1 Pet. 5. 9.

9 Futi, sa si nobaha benyama yetu, aba si jezisayo, sa ba hlonipa; kakulu, a si yi kumlalela ubaba wemipefumlo yetu, si pile na?

Imib. 16. 22. Ums. 12. 7.

Isai. 42. 5. Zek. 12. 1.

10 Ngokuba bona ba si jezisa isikatyana, njengokutanda kwabo, kepa yena ngokulwela kwetu, si ze sabelwe ubungewe bake.

Levi 11. 44.

11 A ku ko ukujezisa okutokozisayo, ku se kona, ku lusizi; kepa ngasemva, ku ya ba telela abajeziswayo isitelo esihle, sokulunga.

Jak. 3. 18.

12 Ngako qinisanani izandhla ezidangeleyo namadolo a xegayo;

Jobe 4. 3, 4.

Isai. 35. 3.

13 Nenzele izinyawo zenu izindhlela eziqondileyo, ukuba abaxugayo ba ngedukiswa, kepa a ba sindiswe,

Amazwi 4. 26, 27. Gal. 6. 1.

14 Zamani ni hlale kahle nabantu bonke, ni be nobungewe, a nge i bone iNkosi noyedwa e nge nabo;

Rome 14. 19. Mat. 5. 8. 2 Kor. 7. 1.

Ef. 5. 5.

15 Ni bhekisise, ukuba ku nga bi ko o

nga zuziyo unusa ka Tixo; ku nga mili isitombo esibabayo, si ni kataze, bonakale abaningi ngaso;

2 Kor. 6. 1.

Gal. 5. 4. Dut. 29. 18. isa. 3. 12.

16 A ku nga bi ko o isifebe, o tukayo, njengoEsau, o wa tenga ukudhlana ngefa lobuzibulo bake.

Gen. 25. 33.

17 Ngokuba ni yazi, ngasemva e sa tanda ukwamkeliswa ukubusiswa, waliwa; ka i tolanga indawo yokupenduka, noma wa e funisisa ngezinyembezi.

Gen. 27. 34-38. isa. 6. 6.

18 A ni zanga entabeni e patekayo, na semlilweni ovutileyo, na sofasimbenni, na sebumnyameni, na sesivunguvuwini;

Eks. 19. 12, 18, 19. & 20. 18.

Dut. 4. 11. & 5. 22. Rome 8. 15.

19 Na sekukaleni kwetilongo, na sekuzwakaleni kwemiyalo, aba i zwayo ba nqaba, ba ti, ku ngenzelwa izwi;

Eks. 20. 19.

20 Ngokuba bahluleka ngomyalo wokuti, Noma isilo si tinta intaba, si ya kukandwa ngamatye.

Eks. 19. 13.

21 Kwa ku sabeka kangaka okwabonakalayo, naye uMosi wa ti, Ngi novalo, ngi yesaba;

Eks. 19. 16.

22 Kodwa ni ze entabeni iZioni; na semzini ka Tixo o pilayo, iJerusalem elipezulu; na kwaba izigidi,

Isam. 21. 2, 10. Fil. 3. 20. Jude 14.

23 Umhlangano wezingelosi; na sebandhleni lamazibulo, a baliwe ezulwini, na kuMahluleli, uTixo wabo bonke, na kuyo imimoya yabalungileyo abapeleleyo;

Eks. 4. 22. Luk. 10. 20.

Isam. 13. 8. Gen. 18. 25. isa. 11. 40.

24 Na kuJesu umLamuli wesivumelwano esitya; na segazini lokufafaza, eli kuluma okuhle ku nelika Abela.

isa. 8. 6. & 10. 22. & 11. 4. Eks. 24. 8.

1 Pet. 1. 2. Gen. 4. 10.

25 Bhekani, ni nga m nqabi oshumayelayo; ngokuba, uma be nga pepanga labo, aba m nqabayoyena o wa shumayela emhlabeni, kakulu tina uma si m fulatela o shumayela ezulwini;

isa. 2. 3. & 3. 17. & 10. 23.

26 Izwi lake la zamamazisa umhlaba nga lesosikati, kepa manje u tembisile, wa ti, Ngi ya kupinda futi, a ngi yi kuzamazisa umhlaba wodwa kepa nezulu.

Eks. 19. 18. Hag. 2. 6.

27 Lelizwi lokuti, Ngi ya kupinda futi, li ti, ku ya kususwa okuzanyazanyiswayo, kungati okwenziweyo, ku ze ku me okungazanyazanyiswayo.

Izihl. 102. 26.

28 Ngako, loku si zuzile umbuso o nge nakuzanyazanyiswa, a si be nokubonga, (esi nga m konza uTixo ngako, si toko-zise), kanye nokuhlonipa nokwesaba, 29 Ngokuba uTixo wetu u ngumliho otyisayo. Eks. 24. 17. Dut. 4. 24. Izihl. 50. 3. Isai. 66. 15. 2 Tes. 1. 8.

ISAHLUKO 13.

**A** KU me njalo ukutandana. Rome 12. 10. 1 Tes. 4. 9. 1 Pet. 1. 22. & 2. 17. & 3. 8. 2 Pet. 1. 7. 1 John. 3. 11. & 4. 7, 20, 21.

2 Ni nga kohlwa ukupata kahle abangenisayo; ngaloko abanye bamkela izingelosi be ngazelele.

Rome 12. 13. Gen. 18. 3. & 19. 2.

3 Ba kumbuleni ababotyiweyo, kungati ni botyiwe kanye nabo; ba kumbuleni, naba petwe kabi, njengokufanele aba semzimbeni. Mat. 25. 36.

Rome 12. 15. 1 Kor. 12. 26. Kol. 4. 18.

4 Ukuganwa ku lungile kubo bonke; nombede o nge nacala, kepa izihlobongi nezipingi, uTixo u ya kuzilahla.

Gal. 5. 21. Ef. 5. 5. Isam. 22. 15.

5 Ngokuhamba kwenu a ni nga fisi imali; yenamani ngeni nako; ngokuba u tyilo, wa ti, A ngi sa yi kukuyeka, a ngi sa yi kukushiya. Mat. 6. 25, 34.

Fil. 4. 11, 12. 1 Tim. 6. 6, 8. Gen. 28. 15.

Josh. 1. 5. Izihl. 37. 25.

6 Ku njaloke si mi isibindi si ti, O ngi sizayo u iNkosi, a ngi yi kwesaba; a ngenzani kimi umuntu.

Izihl. 27. 1. & 56. 4, 11.

7 Ba kumbuleni abafundisi benu, aba ni shumayeza izwi lika Tixo; ni qonde ukupela kokuhamba kwabo, ni lingise ukukolwa kwabo;

8 uJesu Kristu uyena izolo, na namhla, na pakade: John. 8. 58. isa. 1. 12. & 6. 12. Isam. 1. 4.

9 Ni ngeduswa imikuba ngemikuba, e ngaziwayo; ngokuba ku funele inhliziyo i qiniswe ngomusa, i nga qiniswa ngokudhla, oku nga sizanga aba hamba ngako. Ef. 4. 14. Rome 14. 17. Kol. 2. 16. 1 Tim. 4. 3.

10 Si nelati tina, aba nga vunyelwe ukudhla kulo aba konza kuye utente.

1 Kor. 9. 13 & 10. 18.

11 Izidumbu za lezozilwane, igazi lazo ela yiswa umpristi omkulu endaweni engewele, ngenxa yezono, za tyiswa ngapandhle kwekamu. Eks. 29. 14.

Levi 6. 30. & 9. 11. & 16. 27.

12 Ngako naye uJesu, ukuze a ba hlanye abantu ngegazi lake, wa fa ngapandhle kwesango. John. 19. 17, 18.

Imis. 7. 58.

13 A si pumele kuye ngapandhle kwekamu, si twale ihlazo lake.

isa. 11. 26.

14 Ngokuba lapa a si namuzi omiyo; si ya u funa ozayo. Mika 2. 10. Fil. 3. 20. isa. 11. 10, 16.

15 Ngako a si nikele njalonjalo kuTixo ngaye umnikelo wokubonga, oku ukuti, isitelo sezindebe, zi vuna igama lake. Ef. 5. 20. Levi 7. 12. Izihl. 107. 22. Hos. 14. 2.

16 Ni nga kohlwa ubunene noknsiza, ngokuba iminikelo enje i lungile kuTixo. Rome 12. 13. Fil. 4. 18.

17 Lalelani abafundisi benu, ni be pansi kwabo; ngokuba be liuda imipefumlo yenu, njengaba za kulandiswa; ukuze benze loko ngokujabula, be nga bi nalusizi; ngokuba ku nga ni sizo bonke. Fil. 2. 29. Hez. 3. 17.

18 Si kulekeleni; ngokuba si yetemba, si ti, si nenhliziyo euhle, si tanda ukuhamba kahle ngako konke.

Rome 15. 30. Ef. 6. 19. Kol. 4. 3. 1 2 Tes. 3. 1. Imis. 23. 1.

19 Ngi ni ncenga kakulu ukuba nenze loko, ngi ze ngi buyiselwe kini masinyane. Filemone 22.

20 uTixo wokutula, o wa kupula kwabafileyo iNkosi yetu uJesu, uMalusi omkulu wezimvu ngegazi lesivumelwano esipakade, Rome 15. 33. Imis. 2. 24. Isai. 40. 11. Hez. 34. 23. 1 Pet. 2. 25.

isa. 10. 29.

21 A nenze ni pelele emisebenzini yonke elungileyo, ni ze nenze intando yake, enza kini okulungileyo ebusweni bake ngaye uJesu Kristu; a ku be kuye ubukosi ku ze ku be pakade. Amen.

2 Tes. 2. 17. 1 Pet. 5. 10. Fil. 2. 13.

Isam. 1. 6.

22 Ngi ya ni ncenga, bazalwane, ni lamkele lelizwi lokuyala; ngokuba ngi lobile amazwana kimi. 1 Pet. 5. 12.

23 Yazini ukuti, uTimote u tunyiwe; uma e buya masinyane, si ya kunibona kanye naye. 1 Tes. 3. 2.

24 Ngi konzele kubo bonke abafundisi benu, na kubo bonke abangewele. Aba seItalia ba konza kini.

25 Umusa a u be kinina nonke. Amen. Titusi 3. 15.



# INCWADI KA JAKOBE.

## ISAHLUKO 1.

**U**JAKOBE, inceku ka Tixo neyeNkosi uJesu Kristu, u ya kona kwabasabaleleyo bezizwe ezi ishumi nambili.

Imis. 12. 17. Titusi 1. 1. Imis. 26. 7.  
Dut. 32. 26. John. 7. 35. Imis. 2. 5. & 8. 1.  
1 Pet. 1. 1.

2 Bazalwane bami, a ni tyo ukuti, ku ukujabula okukulu nxa nehlelwe ukulingwa ngokulingwa; Mat. 5. 12. 1 Pet. 1. 6.

3 Nazi ukuti ukulingwa kokukulwa kwenu ku ya veza ukubekezela.  
Rome 5. 3.

4 Kepa ukubekezela a ku be nomsebenzi wako opeleleyo, ni ze ni pelele, ni fezeke, ni nga sweli luto.

5 Uma e kona umuntu wa kini o swele ukuhlakanipa, ka cele kuTixo, o ba payo bonke kakulu, e nga soli; u se ya kukupiwa.  
1 Ama. 3. 9, 11, 12.  
Amazwi 2. 3. Mat. 7. 7. John. 14. 13.  
Jer. 29. 12.

6 Kodwa ka cele ngokukulwa e nga ngabazi; ngokuba o ngabazayo u nje-ngeza lolwandhle, eli qutywa umoya, li ponswe.  
Mark 11. 24. 1 Tim. 2. 8.

7 Ka nga tyo lomuntu ukuti, u za kuzaza umuntu eNkosini.

8 Uta o nezinhliziyo ezimbili u ya guquguquka ekuhambeni kwake konke.  
isa. 4. 8.

9 Umzalwane o impofana ka jabule ekupakanyisweni kwake;

10 Kepa o isicebi ka jabule ekutotyisweni kwake; ngokuba u ya kudhlula njengembali yotyani.  
Jobe 14. 2.  
Izihl. 102. 11. Isai. 40. 6. 1 Kor. 7. 31.

11 Ilanga li ya puma, li balele, li bunise utyani, imbali yabo i vutuluke, ukugama kokuma kwayo ku pele; ku njalo o isicebi u ya kubuna ezinhleleni zake.

12 U busisise lomuntu o kutazelayo ekulingweni kwake; ngokuba e se qinisekile, u ya kwamkeliswa umqele wokupila aba u tenjiswayo iNkosi laba aba i tandayo.  
Amazwi 3. 11. 1 Kor. 9. 25.  
isa. 2. 5. 1 Pet. 5. 4. Imis. 2. 10.  
Mat. 10. 22. & 19. 23, 29.

13 Nxa umuntu e yengwa, ka nga tyo ukuti, Ngi yengwa uTixo; ngokuba uTixo a nge yengwe ngokubi; a ka yengi umuntu;

14 Kepa ilowo u ya yengwa, nxa e hudulwe izinkanuko zake, eduswe.

15 Kona inkanuko, se i tatile, i beleta ukona; ukona, se ku pelele, ku zale ukufa.  
Jobe 15. 35. Izihl. 7. 14.  
Rome 6. 21, 23.

16 Ni ngeduki, bazalwane abatandekayo.

17 Izipo zonke ezilungileyo nezipo zonke ezipheleleyo zi vela pezulu, zehla kuYise wokukanya, o nge nakuguquka, nasitonzana sokupenduka.  
John. 3. 27.  
1 Kor. 4. 7. Imib. 23. 19. 1 Sam. 15. 29.  
Mal. 3. 6.

18 Ngokutanda kwake wa si zala ngezwi leqiniso, si be abokuqala kwabadyuliweyo baka, ..  
John. 3. 3. 1 Pet. 1. 23  
Ef. 1. 12. Jer. 2. 3. Isam. 14. 4.

19 Ngako, bazalwane bami abatandekayo, bonke a ba tyetye ukuzwa, ba puze ukukuluma, ba puze nokutukutela: Ums. 5. 1, 2. & 7. 9. Amazwi 10. 19. & 17. 27.

20 Ngokuba ulaka lwabantu a lu vezi ukulunga kuka Tixo.

21 Ngako i lahleni insila yonke nokubi okuvamileyo, ni lamkele ngenhliziyo etobekileyo izwi elityaliweyo, eli namandhla okusindisa imipefumlo yenu.  
Kol. 3. 8. 1 Pet. 2. 1. Imis. 13. 26.  
Rome 1. 16. 1 Kor. 15. 2. Ef. 1. 13.  
Heb. 2. 3.

22 Kepa a ni be abenzayo izwi, ni nga bi abezwayo ngendhlebe nje, ni zi kolhlisa.  
Mat. 7. 21. Rome 2. 13.

23 Ngokuba uma umuntu e li zwa izwi ngendhlebe nje, e ngenzi ngalo, u ya fana nomuntu ozibukayo ubuso baka esibukweni;  
Luk. 6. 47. isa. 2. 14.

24 U ya zibuka, esuke, a kohlwe masinya ukuba u ngumuntu onjani.

25 Kodwa obukayo emtetweni opeleleyo wokukulula, a namatele kuwo, e ngezwa ngendhlebe nje, a kohlwe, kepa e sebenza umsebenzi, uyena o za ku busiswa emisebenzini yake.  
isa. 2. 12.

26 Uma ku kona okolwayo, o nga bambi ulimi lwake, kodwa a kohlise inhliziyo yake ukukulwa kwa lomuntu ku ize.  
Izihl. 34. 13. 1 Pet. 3. 10.

27 Ukukulwa okuewebileyo, oku nge nacala pambi kuka Tixo uBaba, iloku, ukuba okolwayo a hambe izinkedama nabafelokazi ekuhlupakeni kwabo, a zigeine a nga bi nabala kokomhlaba.

Isai. 1. 17. Mat. 25. 36. Rome 12. 2.  
isa. 4. 4. 1 John. 5. 18.

ISAHLUKO 2.

**B**AZALWANE bami, ukukolwa kwe-  
nu kuyo iNkosi yetu ebongekayo,  
uJesu Kristu, ku nga bi ukuketa aban-  
tu.

1 Kor. 2. 8. Dut. 1. 17.  
Amazwi 24. 23. Jude 16.

2 Uma ku ngena emhlanganweni  
wenu umuntu o nendandato yegolide,  
embete izingubo ezinhle, ku ngeni no  
impofana embete izingubo ezimbi;

3 Ni m bheke yena o mbete izingubo  
ezinhle, ni ti Hlala lapa ku lendawo  
enhle; ni buye ni ti ko impofana, Yima  
lapo; noma ni ti, Hlala lapa pansi  
kwesenabelo sezinyawo zami;

4 A ni ketani ini, a ni ngabahlukani-  
sayo aba nezihliziyi ezimbi na?

5 Lalelani, bazalwane bami abatande-  
kayo; uTixo ka ba ketanga ini aba izi-  
mpofana ba lelizwe, be cebile ukuko-  
lwa, abadhlayo ifa lombuso, a u tembisa  
bona aba m tandayo?

1 Kor. 1. 28. Eks. 20. 6.  
Amazwi 8 17. Mat. 5 3. Luk. 6. 20. & 12. 32.  
1 Kor. 2. 9. 2 Tim. 4. 8. isa. 1. 12.

6 Kepa nina ni m delile o impofana.  
Abacebileyo ka ba ni hlupi na? a ba ni  
huduleli emacaleni na? 1 Kor. 11. 22.

Imis. 13. 50. & 17. 6. & 18. 12. isa. 5. 6.

7 A ba li tuki leligama elihle eni bi-  
zwa ngalo na?

8 Uma ni geine umteto omuhle ngo-  
kwemibalo, wokuti, U ya kutanda owa-  
kelene naye njengokuzitanda kwako,  
neuza kahle; Levi 19. 18. Mat. 22. 39.

Rome 13. 9. Gal. 6. 2.

9 Kodwa uma ni keta abantu, ni youa;  
ni lahliwe umteto njengezoni.

10 Ngokuba o za kugcina umteto wo-  
nke, kepeke ege kwenye indawo, u ne-  
cala lawo wonke. Gal. 3. 10.

11 Ngokuba yena o wa tyo ukuti, U  
nga pingi, wa ti, U nga bulali. Uma u  
nga pingi, kepa u bulale, u ngumeqi  
womteto. Eks. 20. 13, 14.

12 Kulumani, nenze njengokufanele  
aba ya kwahlulelwa ngomteto wokuku-  
lula. isa. 1. 25.

13 Ngokuba o ngenzanga umusa u ya  
kuba nokulahlwa oku nge namusa;  
umusa u ya zincoma ngokulahlwa.

Jobe 22. 6. Amazwi 21. 13.

Mat. 6. 15. & 18. 35. 1 John. 4. 17, 18.

14 Ku sizani, bazalwane bami, noma  
umuntu e ti, u ya kolwa, e nge namse-  
benzi? ukukolwa ku nga m sindisa  
na?

Mat. 7. 26. isa. 1. 23.

15 Uma umzalwane, noma owesifaza-  
na, be hambaze, be nge nakudhla,

Jobe 31. 19, 20. Luk. 3. 11.

16 Ku suke umuntu wa kini, a ti kubo  
Hambani kahle, ni fudumale, ni sute,  
kepa a ni ba pi lezozinto ezi fanele  
umzimba, ku sizani na? 1 John. 3. 18.

17 Ku njalo ukukolwa, uma ku nge  
namsebenzi, ku file, ku kodwa.

18 Kepa omunye a nga ti, Wena u  
nokukolwa, ngi nemisebenzi mina: ngi  
bonise ukukolwa kwako i nge ko imise-  
benzi yako; ngi ya kukubonisa ukuko-  
lwa kwami ngemisebenzi yami.

isa. 3. 13.

19 U ya kolwa u ti, uTixo munye;  
wenza kahle; amademone a ya kolwa,  
a tutumele. Mat. 8. 29. Mark 1. 24. & 5. 7.

Luk. 4. 34. Imis. 16. 17. & 19. 15.

20 Kepa, wena muntu o ize; u ya  
tanda ukwazi ini, ukuti, ukukolwa oku  
nge namsebenzi ku file?

21 uAbrahama ubaba wetu ka tetele-  
lwanga ngemisebenzi, e se i nikele indo-  
dana yake uSaka elatini na?

Gen. 22. 9, 12.

22 U ya bona ukuti, ukukolwa kwake  
kwa sebenza kanye nemisebenzi yake;  
ukukolwa kwa peleliwa ngemisebenzi.

Heb. 11. 17.

23 Kwa qiniswa umbalo wokuti,  
uAbrahama wa kolwa uTixo, kwa ti-  
wa ku ukulunga kwake; wa bizwa ngo-  
kuti, Umhlobo ka Tixo. Gen. 15. 6.

Rome 4. 3. Gal. 3. 6. 2 Kron. 20. 7. Isai. 41. 8.

24 Ni ya bona, umuntu u ya tetelelwa  
ngemisebenzi; ka tetelelwa ngokuko-  
lwa kodwa.

25 Ku njalo noRahabi isifebe, ka tetele-  
lwa ngemisebenzi ini, lapo wa zankela  
izinhlozi, wa zi mukisa ngenye indhle-  
la? Josh. 2. 1. Heb. 11. 31.

26 Njengomzimba o nge namoya u file,  
ku njalo ukukolwa oku nge namsebenzi  
ku file nako.

ISAHLUKO 3.

**B**AZALWANE bami, ni nga bi abafu-  
ndisi abaningi, nazi, si ya kwamkela  
ukulahlwa okukulu. Mat. 23. 8, 14.

Rome 2. 20, 21.

2 Ngokuba si yona sonke ezintweni  
eziningi. Uma ku kona umuntu ongo-  
niyo ekukulumeni kwake, lo u ngumu-  
ntu opeleleyo, u namandhla okugcina  
umzimba wonke. 1 Ama. 8. 46. isa. 1. 26.

Mat. 12. 37.

3 Bheka, si fuka amatomu emilonyeni

yamahashi, a si lalele, si wa pendule umzimba wonke. Izihl. 32. 9.

4 Bheka, nemikumbi, noma i ngaka, i qutywa nokuqutywa umoya o namandhla, i ya pendulwa ngepini elincane, njengokutanda kwenkosi yawo.

5 Ku njalo ulimi lu isitwanyana, kepa lu ya zincoma kakulu. Bheka, umliwana u ya vutisa izinkuni ezingaka!

Izihl. 12. 3. & 73\*8, 9.

6 Ulimi lu umlilo, izwe lobubi. Lu njalo ulimi ezitweni zetu, lu ya ngeolisa umzimba wonke, lu ya vutisa ibanga lonke lokuhamba kwetu lu vutiswa lona igehena. Amazwi 16. 27. Mat. 15. 11, 18.

Mark 7. 15, 20, 23.

7 Izinhlobo zezilwane zonke nezezi-nyoni, nezezilwanyana, nezezilwane ezi solwandhle, zi ya tanjiswa, yebo, zi tanjisiwe abantu.

8 Kodwa ulimi a lu nakutanjiswa muntu; lu ububi obu nge nakwahlulwa, lu gewele umuti obulalayo. Izihl. 140. 3.

9 Si ya m bonga uTixo uBaba ngalo; na ngalo si ya tuka abantu abenziweyo ngesimo sika Tixo.

Gen. 1. 26. & 5. 1.

10 Ku vela emlonyeni munye ukubonga nokutuka, Bazalwane bami, a ku fanele ku be njalo.

11 Ku ya puma emtonjeni munye amanzi amnandi nababayo na?

12 Bazalwane bami, umkiwane u nga tela izinhlanvu zomhlwati na? Ivine li nga tela amakiwane na? Ku njalo amanzi ababayo a uge veze amnandi.

13 Umupi kini ohlakanipileyo, o nokwazi na? A ka bonise ngokuhamba okulungileyo imisebenzi yake, e nobunene obuqondileyo.

Gal. 6. 4. isa. 1. 21. & 2. 18.

14 Kodwa uma ni nomona obabayo, nenkani eziuhliziyweni zenu, ni nga zincomi; ni nga qambeli iqiniso.

Rome 13. 13.

15 Lokukuhlakanipa a kwehlanga ezulwini; ku ngokomhlaba, ku ngo kwabantu, ku ngokwamademone.

isa. 1. 17. Jude 19.

16 Ngokuba lapa ku kona umona nenkani, ku kona nombango nemisebenzi yonke emibi. 1 Kor. 3. 3. Gal. 5. 20.

17 Kodwa ukuhlakanipa oku vela ezulwini, ku ewengekile kuqala, kona ku vile, ku mnene, ku nesinwe, ku vama umusa nezitelo ezilungileyo, a ku nakuketa, a ku nakuzenzisa.

1 Kor. 2. 6, 7. Rome 12. 9.

18 Izitelo zokulunga zi tyalwa ekutuleni ibo aba kwenzayo ukutula.

Amazwi 11. 18. Mat. 5. 9. Heb. 12. 11.

## ISAHLUKO 4.

**K**U velapi ukulwa nokupikisana oku pakati kwenu na? a ku veli ezinkanukweni zenu ezilwayo ezitweni zenu na? Rome 7. 23. 1 Pet. 2. 11.

2 Ni ya fisa, a ni nanto; ni ya bulala, ni nomona, kepa a ni zuzi luto; ni ya pikisana, ni lwe, kodwa a ni nanto, ngokuba ni nga celi.

3 Ni ya cela, a namkeliswa, ngokuba ni cela kabi, ukuze-ni ku cite eziukanukweni zenu. Amazwi 1. 28. Isai. 1. 15.

Jer. 11. 11. Zek. 7. 13. 1 John. 5. 14.

4 Nina zipingi nezipingikazi, a nazi ini ukuti, ukutanda umhlaba ku ukumzonda uTixo? Ngako yena o tanda ukuba a be umhlobo womhlaba, u isita kuTixo. Izihl. 73. 27. 1 John. 2. 15.

John. 15. 19. & 17. 14. Gal. 1. 10.

5 Ni ya cabanga imi ni ti, umbalo u tyo ngeze wokuti, Umoya o pakati kwetu u ya vama umona? Gen. 6. 5. & 8. 21.

Imib. 11. 29. Amazwi 21. 10.

6 Kodwa u yenezela umusa ngako ku tyiwo ukuti, uTixo u ya vukela abazidhlayo, kepa u nomusa kwabatobekileyo. Jobe 22. 29. Izihl. 138. 6.

Amazwi 3. 34. & 29. 23. Mat. 23. 12. Luk. 1. 52.

7 Ngako m laleleni uTixo. Ni m dele uSatani; u ya kusuka kini.

Ef. 4. 27. & 6. 11. 1 Pet. 5. 9.

8 Sondelani kuTixo; u ya kusondela kinina. Gezani izandhla zenu, nina zoni; hlazani izinhliziyu zenu, nina eni nokuziudhla okubili. 2 Kron. 15. 2.

Isai. 1. 16. 1 Pet. 1. 22. 1 John. 3. 3.

isa. 1. 8.

9 Dabukani, ni kale, ni lile; ukuhleka kwenu a ku pendulwe ku be ukukala, nokutokoza kwenu a ku be ukujaba.

Mat. 5. 4.

10 Zitobeni ebusweni beNkosi, i ya kunipakamisa. 1 Pet. 5. 6.

11 Ni nga hlebani, bazalwane, O m hlebayo umzalwane wake, a m ahlulele umzalwane wake, u ya hleba umteto, ahlulele umteto, Kepa uma wahlulela umteto, a u siye o gcinayo umteto, u ngumahluli. Ef. 4. 31.

1 Pet. 2. 1. Mat. 7. 1. Luk. 6. 37.

12 Munye o misa umteto nomahluli, uyena o namandhla okusindisa nokububisa; u ngubani wena o m ahlulela omunye na? Mat. 10. 28. Rome 14. 4, 13.

13 Minani, nina eni ti Nambla na ngomso si ya kuya emzini otille si hlale kona umnyaka, si tenge, si tengise, si fuye; Amazwi 27. 1. Luk. 12. 18-20.

14 Ni tyo nina eni nga kwaziyo okwa ngomso; ngokuba ku ini ukupila kwenu na? ku inkungu, ebonakalayo isikayana, i buye i nyamalale; Jobe 7. 7. Izihl. 102. 3. isa. 1. 10.

15 Nga ni tyo, ni ti, Uma i tanda iNkosi, si ya kupila, senze ukuti nokuti. Imis. 18. 21. 1 Kor. 4. 19.

16 Keba kaloku ni zineoma ngokuzidhla kwenu; kubi ukuzineoma konke okunje. 1 Kor. 5. 6.

17 Owaziyo ukwenza okulungileyo, e uga kwenzi, u nesono yena. Luk. 12. 47. John. 9. 41. & 15. 22. Rome 1. 20, 21, 32. & 2. 17, 18, 23.

ISAHLUKO 5.

**M**INANI, nina abacebileyo; kalani, ni lile, ngenxa yezinhlupeko eni ya kwehlelwa izo. Amazwi 11. 28. Luk. 6. 24. 1 Tim. 6. 9.

2 Ingebo yenu i bolile, izingubo zenu zi dhliwa izinyundu. Jobe 13. 28. Mat. 6. 20. isa. 2. 2.

3 Ku gwalile igolide nesiliva lenu; ukugwala kwalo ku ya kuba ufakazi, ku ni lable; ku ya kudhla inyama yenu, kungati ku umlilo. Ingebo ni i qongelela izinsuku zokupela. Rome 2. 5.

4 Bheka, umvuzo wezisebenzi ezi vunileyo amasimu enu, eni u godhlileyo ngobuqili, u ya kala; ukukala kwezivunileyo ku ngenile ezindhlebeni zeNkosi yamabandhla. Levi 19. 13. Jobe 24. 10, 11. Jer. 22. 13. Dut. 24. 15.

5 Ni zi kukumezile emhlabeni, ni busile; ni zi nonisile izinhliziyu zenu, kungati ku usuku lokuhlaba. Jobe 21. 13. Amosi 6. 1, 4. Luk. 16. 19. 1 Tim. 5. 6.

6 Ni m lahlike; ni m bulele ohungileyo; a ka ni vukeli. isa. 2. 6.

7 Bekezelani, bazalwane i ze i fike iNkosi. Bheka, otyalayo u ya hlalela isitelo esihle zomhlabati; e si beka kade, ze ku fike imvula yokuqala neyokupela. Dut. 11. 14.

8 Nani a ni bekezele, ni qinise izinhliziyu zenu, ngokuba ukufika kweNkosi ku sondele. 1 Pet. 4. 7.

9 Ni nga solani, bazalwane, funa ni lahlwe. Nangu, Mahluli e mi nga semnyango. isa. 4. 11. Mat. 24. 33. 1 Kor. 4. 5.

10 Bazalwane bami, ngokuhlupeka na ngokubekezela ba lingiseni abaprofeti abashumayelayo ngegama leNkosi. Mat. 5. 12.

11 Bheka, si ti, ba busisiwe abakutazelayo. Ni zwile ngokukutazela kuka Jobe; ni bonile ukugcina kweNkosi, ukuti, iNkosi i nobubele obukulu, i nesibhau. Mat. 5. 10. & 10. 22. Jobe 1. 21, 22. & 2. 10. & 42. 10. Imib. 14. 18.

12 Keba, bazalwane bami, ku nako konke loku, a ni nga fungi, ni nga fungi izulu, nomhlaba, nesinye isifungo; kodwa uyebo wenu a ka be uyebo; uca wenu a ka be uca; funa nehlelwe ukulahlwa. Mat. 5. 34-37.

13 Ku kona ohlupekayo pakati kwenu na? a ka kuleke. Ku kona owenamileyo na? a ka zi hlabelele izihlabelelo. Ef. 5. 19.

14 Ku kona ogulayo pakati kwenu na? a ka bize amalunga ebandhla; a m kulekele, a m geobe ngamafuta ngegama leNkosi. Mark 6. 13. & 16. 18.

15 Ukukuleka oku ngokukulwa ku ya kumsindisa ogulayo; iNkosi i ya kumvusa; noma enzile izono u ya kutetelwa zona. Isai. 33. 24. Mat. 9. 2.

16 Vumani izono zenu, omunye komunye, ni kulekelane, ukuze ni sindiswe. Ku namandhla ukukuleka kolungileyo oqinisayo. Gen. 20. 17. Imib. 11. 2. Dut. 9. 18-20. Josh. 10. 12. 1 Ama. 13. 6. Izihl. 10. 17. & 34. 15. & 145. 18. John. 9. 31.

17 uElija wa e ngumuntu o njengati ngokudabuka; wa kuleka nokukuleka ukuba li nga ni; a li nanga emhlabeni ngeminyaka emitatu nezinyanga ezi isitupa. Imis. 14. 15. 1 Ama. 17. 1.

18 Wa buya wa kuleka; la na izulu, umhlabati wa tela izitelo zawo. 1 Ama. 18. 42, 45.

19 Bazalwane, uma umuntu wa kini eduka eqiniseni, omunye a m buyise,

20 A kazi ukuti, obuyisayo isoni ekwedukeni kwendhlela yaso, u ya kusindisa umpefumlo, a sibekele izono eziningi. Rome 11. 14. 1 Pet. 4. 8.

# INCWADI YOKUQALA KA PETRO.

## ISAHLUKO 1.

**U**PETRO, umpostoli ka Jesu Kristu, kwaba semazweni abasabaleleyo ePonto, na seGalatia na seKapadokia, na seAsia, na seBitunia, Imis. 2. 9. Jak. 1. 1.

2 Abaketiweyo ngokwazi okupakade kuka Tixo uYise, ngokuhlaza kuka Moya, ba ze ba lalale, ba fafazwe ngegazi lika Jesu Kristu; a ku vame kiwina umusa nokutula. Ef. 1. 4. isa. 2. 9. Rome 1. 7. & 8. 29. 2 Tes. 2. 13. Heb. 10. 22.

2 Pet. 1. 2. Jude 2.

3 A ka bongwe uTixo uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, owa buya wa si zala ngomusa wake omkulu si be netemba elipilileyo, ngokuvuka kuka Jesu Kristu kwabaflelo; Ef. 1. 3. Titusi 3. 5. John. 3. 3. Jak. 1. 18. 2 Kor. 1. 3.

1 Tes. 4. 14.

4 Si be nefa eli nga fiyo, eli nge nacala, eli nge nakupela, ni li gcinelwe ezulwini, isa. 5. 4. Kol. 1. 5.

5 Nina eni ya kulondolozwa ngamandhla ka Tixo, ngako ukukolwa, ku ze ku be kona ukusindiswa oku lungiselewe ukubonakaliswa ngesikati sokupela; John. 10. 23, 29.

6 Eni tokoza ngaso, kepa manje ngesikatyana, uma ku dingeka, ni dabukile ngokulingwa okuningi; Mat. 5. 12.

2 Kor. 6. 10. isa. 4. 13. & 5. 10.

7 Ukuze ukukolwa kwenu okulingiweyo, okuhle kakulu ku negolide eligugayo, noma li lingwe ngomlilo, ku fuyanyane ku nokutiswa nodumo, nobukosi, ekubonakaleni kuka Jesu Kristu; Jak. 1. 3, 12. isa. 4. 12. Jobe 23. 10.

Amazwi 17. 3. Isai. 43. 10. Zek. 13. 9.

1 Kor. 3. 13.

8 Eni m tandayo, ni nga m bonanga; noma ni nga m boni manje, kepa ngokukolwa uye ni ya jabula ngokujabula okungakulumekiyo, okubabazekayo;

1 Joha. 4. 20. John. 20. 29.

9 Ni zuza ukugeina kokukolwa kwenu, ukusindiswa kwemipefumlo yenu.

Rome 6. 22.

10 Nga lokukusindiswa ba buzisisa, ba hlolisisa abaprofeti aba profeta ngomusa o bu miselwe nina; Dan. 2. 44.

Hag. 2. 7. Mat. 13. 17. Luk. 10. 24.

2 Pet. 1. 19, 20.

11 Ba hlola isikati, ukuba isipi, noku-

ba si njani, a kuluma ngaso uMoya ka Kristu owa e kubona, e kwazisa ukuhlupeka o be ku za kumehlala uKristu, nobukosi o be bu za ku vela ngasemva kwako; 2 Pet. 1. 21. Izihl. 22. 6.

Isai. 53. 3-8. Luk. 24. 26.

12 Kwa bonakaliswa kubo ukuti, ba be nga zikonzi bona, ba be si konza tina nga loku, eni ku tyelwayo mauje ibona, aba ni shumayeza ivangeli ngaye uMoya o ingewele e tunyiwe ezulwini; loku izingelosi ezi fisayo ukukwazisisa.

Dan. 12. 9, 13. Heb. 11. 39, 40. Imis. 2. 4.

Eks. 25. 20. Dan. 8. 13. & 12. 5-7.

Ef. 3. 10.

13 Ngako zi bopeni izinkalo zenkumbulo yenu, ni qonde, netembe nokwemba umusa eni ya kupiwa wona ekubonakaleni kuka Jesu Kristu; Ef. 6. 14. 1 Tes. 5. 6. 2 Tes. 1. 7. isa. 4. 7.

& 5. 8. 1 Kor. 1. 7.

14 Ni be njengabantwana abalalelayo, ni nga hambi ngezinkanuko zokuqala ekungazini kwenu; Rome 12. 2. isa. 4. 2. Imis. 17. 30. 1 Tes. 4. 5.

15 Kodwa njengaye o ni bizileyo e ingewele, ku njalo a ni be ingewele, nani ngokuhamba kwenu konke;

Luk. 1. 75. 2 Kor. 7. 1. 1 Tes. 4. 7.

Heb. 12. 14. 2 Pet. 3. 11.

16 Ngokuba ku lotyiwe ukuti, a ni be ingewele, loku ngi ingewele.

Levi 11. 44. & 19. 2.

17 Uma ni m biza ngokuti, Baba, yena owahlulela abantu bonke ngenisebenzi yabo, e nga keti umuntu, hlalani isikati sokuhamba kwenu ngokwesaba.

Dat. 10. 17. Fil. 2. 12. Heb. 11. 13.

isa. 2. 11.

18 Nazi ukuti a ni hlengwanga ekuhambeni kwenu oku ize; okwa vela koyihlo ngokuzalwa, ngezinto ezigugayo, isiliva negolide;

1 Kor. 6. 20. Hez. 20. 18.

19 Na hlengwa ngegazi elihle lika Kristu, kungati eleundhlu lenvu eli nge nacala eli nge nabala, Imis. 20. 28.

Eks. 12. 5. Isai. 53. 7. John. 1. 29.

20 O waziwa pakade, u nga ka sekelwa umhlaba, kepa wa bonakaliswa nga lezizikati zokugeina ngenxa yenu,

Rome 3. 25. Ef. 3. 11. 2 Tim. 1. 10.

Titusi 1. 2. Isam. 13. 8. Heb. 1. 2.

21 Eni kolwa ngaye kuTixo owa m

vusa kwabafileyo, wa m nika ubukosi, ni ze ni kolwe uTixo, ni m etenbe.

Imis. 2. 24. & 3. 13. Fil. 2. 9. Heb. 2. 9.  
isa. 3. 22.

22 Loku ni hlanzile imipefumlo yenu ngokulalela iqiniso, ngaye uMoya, ni ze ni tande abazalwane ngokungazenzisi, qinisa ni tandane ngenhliziyo emhlope;

Imis. 15. 9. Rome 12. 9. 1 Tim. 1. 5. Heb. 13. 1. isa. 2. 17. & 3. 8. & 4. 8.

23 Ni zelwe ngokutya, a ngi tyo nge-mbeu egugayo; ni zelwe ngengagugiyoy, ngezwi lika Tixo, elipilileyo, elimiyo.

John. 1. 13. & 3. 5. Jak. 1. 18. 1 John. 3. 9.

24 Ngokuba inyama yonke i njengotyani, ubukosi bayo bu njengembali yotyani. Utyani bu ya buna, imbali yabo i ya vutuluka;

Izihl. 103. 15. Isai. 40. 6. Jak. 1. 10.

25 Kodwa izwi leNkosi li ya kuma ku ze ku be pakade; leli li izwi eli shunyalwele kinina.

Izihl. 102. 12, 26. Luk. 16. 17.

### ISAHLUKO 2.

**N**GAKO lahlani okubi konke, nobuqili bonke, nokuzenzisa, nomona, nokuhleba konke, Ef. 4. 22, 31. isa. 4. 2.

2 Njengezingane ezi sandukuzalwa, fisani ubisi oluhle lwezwi, ukuba ni kule ngalo, ni ze ni sindiswe;

Mat. 18. 3. isa. 1. 23. 1 Kor. 3. 2.

3 Uma ni zwisise ukuti, iNkosi i mnene;

Izihl. 34. 8. Heb. 6. 5.

4 Eni za kuyo, itye elipilileyo, li lahliwe abantu, kepa lihle kuTixo, li igugu,

Izihl. 118. 22. Mat. 21. 42.

5 Nani, nina matye apilileyo, nakiwe indhlu yokomoŷa, ubupristi obungewe-le, ni ze ni nikele iminikelo yokomoya, elungileyo kuTixo ngaye uJesu Kristu.

Ef. 2. 21, 22. Heb. 3. 6. & 13. 15.

Mal. 1. 11. Rome 12. 1. Fil. 4. 18.

isa. 4. 11.

6 Ngokuba ku kona embalweni okuti, Bheka, ngi ya beka eZioni, itye eli inhloko yegumbi, eliketiweyo, eli igugu; okulwayo uye ka yi ku jaba.

Isai. 28. 16. Rome 9. 33.

7 Ngako kinina enikolwayo u igugu; kepa kwabangalaleliyo, itye aba li lahlayo abaki, ilona li inhloko yegumbi,

Imis. 4. 14.

8 Itye lokukubekisa, idwala lokuwisa; kubona abakubekayo, be nga lalali izwi, a be be miselwe kona.

Isai. 8. 14.

Luk. 2. 34. Rome 9. 33. Eks. 9. 16.

Rome 9. 22. 1 Tes. 5. 9. Jude 4.

9 Kepa nina ni inzalo eketiweyo, ubupristi obubukosi, isizwe esingewe-le, abantu abatoliweyo; ukuze ni memezele ubuqwe bake, owa ni bizayo ni pume ebumnyameni, ni ze ekukanyeni kwa-ke okumangalisayo;

Dut. 10. 15.

isa. 1. 2. Eks. 19. 6. Isam. 1. 6. & 5. 10.

Dut. 26. 19. Imis. 20. 28. Ef. 1. 14.

Titusi 2. 14. Imis. 26. 18. Ef. 5. 8.

10 Kade na ni nge siso isizwe, kepa manje ni isizwe sika Tixo; na ni nga haukelwanga, kepa manje ni haukelwe.

Hos. 1. 9, 10. Rome 9. 25.

11 Batandekayo, ngi ya ni nxusa, nje-ngokufanele aba kwelinye izwe nezihambi, delani izinkanuko zenyama, ezi lwa nompefumlo; isa. 1. 17. Rome 13. 14.

Jak. 4. 1.

12 Ni hambe kahle kwabezizwe; ukuze, lapo be ni hleba ngokungati nenza kabi, ku ti ngemisebenzi yenu e lungileyo aba za kubona, ba m dumise uTixo ngomhla wokuhanjwa kwabo.

Rome 12. 17. Fil. 2. 15. Titusi 2. 8.

isa. 3. 16. Mat. 5. 16. Luk. 19. 44.

13 Vumani izimiso zonke zabantu ngayo iNkosi; nokuba ku inkosi enkulu;

Rome 13. 1.

14 Nokuba ku ngababusi aba tunywa iyo, ukuba ba jezise abenza okubi, ba tuse abenza okulungileyo. Rome 13. 3, 4.

15 Ngokuba ku njalo intando ka Tixo, ukuba ni tulise ukungazi kwabantu abangaqondiyo ngokwenza okulungileyo;

Titusi. 2. 8.

16 Ni abakululekileyo, kepa ni ngenzi ukukululeka kwenu ku be ituba lokona; ni izinceku zika Tixo.

Gal. 5. 1.

1 Kor. 7. 22.

17 Ba tuseni abantu bonke; ni tande abazalwane; nesabe uTixo; ni dumise inkosi.

Rome 12. 10. isa. 1. 22.

Amazwi 24. 21. Mat. 22. 21. Rome 13. 7.

18 Zisebenzi, lalalani amakosi enu ngokwesaba konke; alungileyo namnene kanye nawo a nolaka.

Ef. 6. 5. Luk. 6. 32.

19 Ngokuba kuhle loku, uma umuntu e kutazela ekuhlupekeni ngenhliziyo elungileyo kuTixo, e nga fanele ukuhlupeka.

Mat. 5. 10. Rome 13. 5.

20 Ni nodumo luni uma ni kutazela, ni tyaywa ngezono zenu na? kepa uma ni kutazela, ni hlupeka ngokwenza okulungileyo, loku kuhle ku Tixo.

isa. 3. 14. & 4. 14, 15.

21 Na bizelwa kona loku; ngokuba uKristu wa hlupekela nina, wa ni nika

## I. UPETRO, 3.

isiboniso sokuba si m landele ekuhambeni kwake; Imis. 14. 22. John. 13. 15. Fil. 2. 5.

22 A konanga yena; a i funyanwanga inkohliso emlonyeni wake; Isai. 53. 9. Luk. 23. 41. John. 8. 46. 2 Kor. 5. 21. Heb. 4. 15.

23 Nxa e tukwa, a ka tukanga; nxa e hlupeka, a ka songelanga; wa zinikela kuyena owahlulayo ngokulunga; Isai. 53. 7. Mat. 27. 39. John. 8. 48, 49. Heb. 12. 3.

24 Yena owa twala izono zetu ngomzimba wake emtini, ukuze si fe ezonweni si pile ekulungeni; ni sindiswa ngemvimbo yake. Isai. 53. 4, 5. Mat. 8. 17. Heb. 9. 28. Rome 6. 2.

25 Ngokuba na ni njengezimvu ezidukileyo; kepa manje se ni buyele kumalusi nombonisi wemipefumlo yenu. Hez. 34. 23. isa. 5. 4.

### ISAHLUKO 3.

**K**U njalo nani, bafazi, lalalani amadoda enu, ukuze ku ti, uma e kouna o nga kolwayo izwi, a zuzwe ngokuhamba kwabafazi bawo ngapandhle kwezwi; Ef. 5. 22. Kol. 3. 18. Titusi 2. 5. 1 Kor. 7. 16.

2 E bona ukuhamba kwenu okulungileyo, ni nokwesaba. isa. 2. 12.

3 Ukuhlaba kwenu a ku nga bi okungapandhle, okokwaluka izinwele, nokokufaka igolide, nokokugqoka izingubo; 1 Tim. 2. 9. Titusi 2. 3.

4 Kodwa a ku be umuntu ositekileyo wenhliziyo; ukuhlaba ngokungagugiyoy, okomoya omnene otambileyo; loku kuhle kakulu kuTixo. Izihl. 45. 13. Rome 2. 29. & 7. 22.

5 Ba hlaba ngokunjalo abafazi abangewele ba sendulo, aba m etembayo uTixo, be lalala amadoda abo;

6 (NjengoSara wa lalala uAbrahama, e m biza e ti inkosi, eni ngabantwana;) benza okulungileyo, be ngesabi okwesabekayo. Gen. 18. 12.

7 Ku njalo nani, madoda, hlalani nabone ngokufanele ukwazi, ni m nike umfazi udumo, loku e isitya esibutakataka, loku ni iziudhlalifa kanye naye zokupila okupiyeyo; ukuze ukukuleka kwenu ku nga bi ize. 1 Kor. 7. 3. & 12. 23. Ef. 5. 25.

8 (Ukupela, a ni benhliziyonye nina nonke, ni haukelane, ni taudane ngokwabazwane, ni be nobubele, ni tobe, Rome 12. 10, 16. isa. 2. 17. Ef. 4. 32. Kol. 3. 12.

9 Ni nga pindisi okubi ngokubi, nenhlamba ngenhlamba; kepa a ni busise;) ni yazi ni bizelwe loku, ukuze ni dhle ifa lokubusiswa. Amazwi 17. 13. Mat. 5. 39. & 25. 34.

10 Ngokuba yena o nenhliziyo yokutanda ukupila nokubona izinsuku ezinhlle, a ka tulise ulimi lwake kuko okubi, nezindebe zake, zi nga kulumi inkohliso; Izihl. 34. 12, 16. Jak 1. 26.

11 A dede ekoneni, a kwenze okulungileyo, a funisise ukutula, a ku kutazele. 3 John. 11. Rome 12. 18. & 14. 19. Heb. 12. 14.

12 Ngokuba amehlo eNkosi a pezu kwabalungileyo, izindhlebe zayo zi sekukulekeni kwabo, ubuso beNkosi bu pezu kwabakwenzayo okubi. Jak. 5. 16.

13 Kepa ubani o ya kunenza kabi uma ni kutazela okulungileyo na? Amazwi 16. 7.

14 Kodwa uma ni hlupeka ngenxa yokulunga kwenu, ni busiswe; ni ngesabi ukwesabisa kwabo, ni nga katazeki; Mat. 5. 10-12. Jak 1. 12. Isai. 8. 12, 13. John. 14. 1, 27.

15 Kepa ni hlonipe iNkosi uTixo ngezinhliziyo zenu; ni hlale ni be nokubapendula bonke aba ni buzayo isamba sokwetemba kwenu, ni tobe nesabe; Kol. 4. 6. 2 Tim. 2. 25.

16 Ni be nenhliziyo elungileyo, ukuze, nxa be ni hleba kungati ni ngababi, ba jabe aba ni cebayo ukuhamba okulungileyo kwenu oku kuKristu. Heb. 13. 18. Titusi 2. 8.

17 Uma ku intando ka Tixo, kuhle ukuba ni hlupeke ngokwenza okulungileyo, ku nokuba ni hlupeke ngokwenza okubi.

18 Ngokuba naye uKristu wa hlupeka kanye ngezono; olungileyo wa hlupekela abangalungile; ukuba a si yise kuTixo, wa bulawa enyameni, wa piliswa emoyeni, Heb. 9. 26, 28. 2 Kor. 13. 4. Kol. 1. 22. Rome 1. 4.

19 A hamba ngaye wa ba shumayeza omoya aba sekubotyweni; isa. 4. 6. 20 Aba kade be nga lalalanga, lapo kwa ku hlalele ukubekezela kuka Tixo ngesikati sika Noa, u sakiwa umkumbi, aba sindiswa kuwo aba incozana, ukuti abashiyagalombili ngamanisi. Gen. 6. 3, 5, 13. & 7. 7. & 8. 18. Heb. 11. 7. 2 Pet. 2. 5.

21 Esi sindiswa iwo manje ngokulinganisa, ngi tyo ukubapatizwa, (a ngi tyo ukususa insila yenyama, ngi tyo

ukuvuma kwenhliziyo elungileyo ku-Tixo,) ngokuvuka kuka Jesu Kristu.

Ef. 5. 26. Titusi 3. 5. Rome 10. 10.

isa. 1. 3.

22 O se yile ezulwini, u kona ngakwesokunene sika Tixo; se ku pansi kwake izingelosi, namakosi, nababusi.

Izihl. 110. 1. Rome 8. 34, 38. Ef. 1. 20.

1 Kor. 15. 24. Ef. 1. 21.

#### ISAHLUKO 4.

**L**OKU uKristu wa si hlupekela tina enyameni, hlomani wona lowo umoya; (ngokuba yena o hlupekile enyameni u yekile ukona;)

Gal. 5. 24.

Kol. 3. 3, 5.

2 Ni nga be ni sa hamba isikati esiseleyo enyameni ngezinkanuko zabantu, kodwa ngentando ka Tixo.

Rome 14. 7.

isa. 1. 14. & 2. 1.

3 Ngokuba isikati esihlulileyo soku-pila kwetu si sanele, nga si fezile intando yabezizwe, lapo sa si hamba ekonakaleni na sezinkanukweni, na sewainini, na semsindweni, na setywaleni, na sekukonzeu izitombe okubi;

Hez. 44. 6. & 45. 9. Imis. 17. 30. Ef. 4. 17.

isa. 1. 14.

4 Ba mangala ngokuba ni nga gijimeli nabo ku lowo umsindo omkulu wabo, be ni tuka;

Imis. 13. 45. isa. 3. 16.

5 Ba ya kumlandisa yena o lungele ukubahlulela aba kona naba nga seko.

Imis. 10. 42. 1 Kor. 15. 52. Jak. 5. 9.

6 Ngokuba ivangeli la shunyayelwa na kwabafileyo ngaloku, ukuba bahlulelwe ngokwabantu enyameni, ba pile ngokuka Tixo emoyeni.

isa. 3. 19.

7 Kepa ukupela kwako konke ku sondele; ngako qondani, ni linde ni ze ni kuleke.

Mat. 24. 14. Rome 13. 12.

Mat. 26. 41. Luk. 21. 34. isa. 1. 13.

8 Kodwa ku nako konke a ni tandisisane; ngokuba utando lu ya kusibekela izono eziningi.

Kol. 3. 14.

Amazwi 10. 12. 1 Kor. 13. 7. Jak. 5. 20.

9 Patanani kahle ekungeniseni, ni nga neityani;

Heb. 13. 2. Fil. 2. 14.

10 Ni konzane njengaloku ilowo wamkeliswe isipo, njengezikonzi ezilungileyo zezipo ngezipo zika Tixo.

Rome 12. 6. Luk. 12. 42. 1 Kor. 4. 1. & 12. 4.

11 Uma umuntu e shumayela, ka shumayeke njengamazwi ka Tixo; uma umuntu e konza, ka konze ku be njengamandhla a wa piweyo uTixo ukuze uTixo a dunyiswe kuko konke, ngaye

uJesu Kristu, o nodumo nobukosi ku ze ku be pakade. Amen.

Rome 12. 6, 7.

Ef. 5. 20. & 5. 11. isa. 2. 5. 1 Tim. 6. 16.

Isam. 1. 6.

12 Batandekayo, ni nga mangali ngomlilo ozayo kinina wokumilinga, ngokungati nehlelwa into e ngaziwayo;

isa. 1. 7.

13 Kodwa jabulani njengaloku ni hlanganyela izinhlupeko naye uKristu, ukuze, ekubonakaleni kobukosi bake, ni jabule nokujabula.

Imis. 5. 41. Rome 8. 17.

2 Kor. 1. 7. Fil. 3. 10. isa. 5. 1, 5, 6, 10.

Isam. 1. 9.

14 Uma ni tukwa ngegama lika Kristu, ni busisiwe; ngokuba uMoya wobukosi noka Tixo e hlezi pezu kwenu; kubona u ya tukwa, kepa kinina u ya bongwa.

Mat. 5. 11. isa. 2. 12.

15 Kepa a ku nga bi ko muntu kinina ohlupekayo engumbulali, nesela, nowenza okubi, nohlolayo okwabanye abantu.

isa. 2. 20. 1 Tes. 4. 11. 1 Tim. 5. 13.

16 Kodwa uma umuntu e hlupeka e umKristu, ka nga bi namahloni; a ka m bongwe uTixo nga loko.

Imis. 5. 41.

17 Ngokuba se ku isikati sokuba ukwahlula ku qale endhlini ka Tixo; kepa uma ku qala kitina ko ba ini ukupela kwabangalaleli ivangeli lika Tixo na?

Jer. 25. 29. & 49. 12. Mal. 3. 5.

Luk. 23. 31.

18 Uma o lungileyo e sindiswa ngokulukuni, wo bonakalapi ongakonziyo uTixo nowonayo na?

Amazwi 11. 31.

Luk. 23. 31.

19 Ngako abahlupekayo ngokwenta-ndo ka Tixo, benza okulungileyo, abanike imipefumlo yabo kuTixo, o ngu-Menzi otembekayo.

Izihl. 31. 5. Luk. 23. 46. 2 Tim. 1. 12.

#### ISAHLUKO 5.

**A**MALUNGA a pakati kwenu ngi ya wa yala; mina engi ilunga kanye nawo, nofakazi wezinhlupeko zika Kristu, nohlanganyela nawo ubukosi obu za kubonakaliswa;

Luk. 24. 48. Isam. 1. 9.

2 Yalusani umhlambi ka Tixo, opakati kwenu, ni u bonise, ku nga bi ngokucindezelwa, ku be ngesihle; ku nga bi ngenzuzo embi, ku be ngenhliziyo elungileyo;

John. 21. 16. Imis. 20. 28.

1 Kor. 9. 17. 1 Tim. 3. 3, 8. Titusi 1. 7.

3 Ku nga bi ngokungati ni busa amafa ka Tixo, kepa ni iziboniso kuwo umhlambi.

Hez. 34. 4.

Mat. 20. 25. 2 Kor. 1. 24. Fil. 3. 17.



## II. UPETRO, 1.

4 E se bonakele umAlusi omkulu, ni ya kuzuya umqele wobukosi ongabunyo. Heb. 13. 20.

1 Kor. 9. 25. 2 Tim. 4. 8. isa. 1. 4.

5 Ku njalo, nina batya, lalalani amalunga; yebo, nina nonke, a ni lalalane, nambate ukutobeka; ngokuba uTixo u ya vukela abazidhlayo, kepa u nomusa kwabatobekileyo. Rome 12. 10. Jak. 4. 6.

6 Ngako zitobiseni pansi kwesandhla esi namandhla sika Tixo, ukuba a ni pakamise ngesikati esifaneleyo; Jak. 4. 10.

7 Ni beke kuye ukukatazeka konke kwenu; ngokuba u ya ni katazela.

Izihl. 37. 5. Heb. 13. 5.

8 Qondani, ni linde; ngokuba uSatani o isita kini u ya hamba njengengonyama ebodhlayo, i funa e nga ba dhlayo;

Luk. 21. 34, 36. Jobe 1. 7. Luk. 22. 31.

Isam 12. 12.

9 M pikeni ni qine ngokukulwa, nazi ukuti, abazalwane benu aba sezweni behlelwe iko lokukuhlupeka. Ef. 6. 11, 13.

Jak. 4. 7. Imis. 14. 22. isa. 2. 21.

10 Kepa uTixo womusa wonke, o si bizileyo ebukosini bake obupakade ngaye uKristu Jesu, se ni hlupeke isikatyana, a ni pelelise, a ni mise, a qinise a ni sekele. 1 Tim. 6. 12. 1 Kor. 1. 9.

2 Kor. 4. 17. isa. 1. 6. Heb. 13. 21.

Jude 24.

11 A ku be kuye udumo nobukosi ku ze ku be pakade. Amen.

isa. 4. 11. Isam. 1. 6.

12 Ngaye uSilvano, umzalwane otembekayo, ngokubona kwami, ngi lobile amazwana kinina, ngi luleka, ngi qinisa ngi ti, lo u umusa oqinisileyo ka Tixo, eni mi ngawo. Heb. 13. 22.

Imis. 20. 24. 1 Kor. 15. 1. 2 Kor. 1. 19.

2 Pet. 1. 12.

13 Li ya konza kini ibandhla eli seBabulona, ela bizwa kanye nani; naye uMarko indodana yami. Imis. 12. 12.

14 Bingelelanani ngokwanga kotando. Ukutula a ku be kinina nonke eni kuKristu Jesu, Amen.

Rome 16. 16. Ef. 6. 23.

## INCWADI YESIBILI KA PETRO.

### ISAHLUKO 1.

USIMONE Petro, inceku nompostoli kaJesu Kristu kwabazuzileyo ukukulwa njengati ngokulunga kuka Tixo wetu nomSindisi uJesu Kristu;

Imis. 15. 14. Rome 1. 12. Ef. 4. 5.

Titusi 1. 4. & 2. 13.

2 Umusa nokutula a ku vame kinina ngokumazi uTixo noJesu iNkosi yetu.

1 Pet. 1. 2.

3 Loku amandhla ake a ubuTixo e si nikile izinto zonke ezi fanele ukupila nokukonza uTixo, ngokumazi yena owa si bizayo ngobukosi na ngamandhla ake;

John. 17. 3. 1 Tes. 2. 12. 2 Tes. 2. 14.

2 Tim. 1. 9.

4 (Esi piwe ngako izitembiso ezikulu kakulu, ezitandwayo, ukuba nga lezo nabelwe ukama kobuTixo, ni sindile kuko ukonakala oku sezweni ngokukunuka;)

Heb. 12. 10. 1 John. 3. 2. isa. 2. 13, 20.

5 Ngako loku a ni qinise nokuqinisa, nelekele ekukulweni kwenu ubuqawe; na sebuqaweni ukwazi;

isa 3. 18. 1 Pet. 3. 7.

6 Na sekwezini ukuzitiba; na seku-

zitibeni ukubekezela; na sekubekezeleni, ukukonza uTixo;

7 Na sekukonzeni uTixo ukutandisa okwabazalwane; na sekutandiseni okwabazalwane utando. Gal. 6. 10. 1 Tes. 3. 12.

8 Ngokuba uma lezizinto zi kona kini, zi vame, zi ya nenza ni nga bi abavilapayo nabangateliyo ekwazini iNkosi yetu uJesu Kristu.

John. 15. 2. Titusi 3. 14. \*

9 Kepa yena o nge nazo lezizinto u impumpute, ka bonisisi, u kohliwe ukuhlanzwa izono zake za mandlo.

1 John. 2. 9, 11. Ef. 5. 26.

10 Ngako, bazalwane, kutazalani kakulu, ni qinise ukubizwa nokuketwa kwenu; ngokuba uma nenza loku a ni sa yi kuputa; 1 John. 3. 19. isa. 3. 17.

11 Ngokwanga njalo ni ya kwelekelwa kakulu ukungena embusweni opakade weNkosi yetu noMsindisi wetu uJesu Kristu.

12 Ngako a ngi yi ku kohlwani ukunikumbuzana njalo nga lezizinto, noma ni zazi, noma ni mi ni qinile eqinisweni eni nalo. Rome 15. 14, 15. Fil. 3. 1.

1 John. 2. 21. 1 Pet. 5. 12. isa. 3. 17.

## II. UPETRO, 2.

13 Ngi ti ku lungile, nxa ngi se kona ku lelidokodo, ukuba ngi ni vuse ngokunikumbuza; 2 Kor. 5. 1. isa. 3. 1.

14 Ngazi ukuti li ya kususwa masinyane idokodo lami; njengaloko iNkosi yetu uJesu Kristu ya ngi tyela.

Dut. 4. 21, 22. & 31. 14. 2 Tim. 4. 6.  
John. 21. 18, 19.

15 Futi ngi ya kukutazela ukuba ni be nokukumbala lezizinto njalo ngasemva kokudhlula kwami.

16 Ngokuba sa si nga landeli izinganekwane ezobuqili, lapa sa nazisa amandhla nokufika kweNkosi yetu uJesu Kristu, kepa sa si ngababonayo ubukulu bake.

1 Kor. 1. 17. 2 Kor. 2. 17. & 4. 2.  
Mat. 17. 1, 2. Mark 9. 2. 1 John. 1. 1.

17 Ngokuba wamkeliswa udumo nobukosi nguTixo uYise, lapa kwa fika kuye izwi elinje, li vela ebukosini obuhle kakulu, li ti, Lo u iNdodana yami etandiweyo, engi kolwa iyo.

Mat. 3. 17. & 17. 5. Mark 1. 11. & 9. 7.  
Luk. 3. 22. & 9. 35.

18 Lelozwi sa li zwa, li vela ezulwini, si kona naye entabeni engewele.

Eks. 3. 5. Josh. 5. 15.

19 Futi si nezwi lesiprofeto eliqinisele kakulu; ni ya kwenza kahle uma ni li qonda, kungati li isibani esikanyayo endaweni emnyama, ku ze ku se, ikwezi li pumele ezinhliziyweni zenu;

Izihl. 119. 105. Johu. 5. 35. 2 Kor. 4. 4, 6.  
Isam. 2. 28. & 22. 16.

20 Nazi loku kakulu, ukuti, ka si ko isiprofeto sombalo esi ukucasisela ngokwaso.

Rome 12. 6.

21 Ngokuba isiprofeto a si zange si fike ngentando yomuntu; kepa abantu abangewele baka Tixo ba shumayela, be qutywa ■Moya o ingewele.

2 Tim. 3. 16. 1 Pet. 1. 11. 2 Sam. 23. 2.  
Luk. 1. 70. Imis. 1. 16. & 3. 18.

### ISAHLUKO 2.

**K**EPA kwa ku kona ebantwini abaprofeti bamanga; njengokuba ku ya kuba kona pakati kwenu abafundisi bamanga, aba za kungenisa izahlukaniso czicitayo, be pika iNkosi eya ba tengayo, be zehlisela ukuciteka oku za kufika masinya.

Dut. 13. 1. Mat. 24. 11.  
Imis. 20. 30. 1 Tim. 4. 1. Jude 4.

1 Kor. 6. 20. Heb. 10. 29. Fil. 3. 19.

2 Abaningi ba ya kulandela amanyala abo; indhlela yeqiniso i ya kutukwa ngabo.

3 Ngokufisa imali ba ya kunipatisa

okwempahla ngamazwi obuqili; ukulahlwa kwabo kwa mandulo a ku libali, ukuciteka kwabo a ku lele.

Rome 16. 18. 2 Kor. 12. 17, 18. 1 Tim. 6. 5.  
Titisi 1. 11. 2 Kor. 2. 17. Dut. 32. 35.

4 Uma uTixo e nga yekanga izingelosi ezonileyo; kepa e zi ponsa egehena emakatangweni obumnyama, wa zi nikela zi geinwe zi ze li lahlwe;

Jobe 4. 18.  
Jude 6. John. 8. 44. 1 John. 3. 8.  
Isam. 20. 2, 3.

5 Uma e nga li yekanga izwe la sendulo; kodwa wa m sindisa uNoa kanye nabake aba isikombisa, umshumayeli wokulunga, wa zisa uzamcolo ezweni labangakonziyo uTixo;

Gen. 7. 1.  
1 Pet. 3. 19, 20. isa. 3. 6.

6 Uma wa i tyisa imizi iSodoma neGomora, wa i lahla ngokuciteka, e yenza umboniso kwaba za kuvela be nga konzi uTixo;

Gen. 19. 24. Dut. 29. 23. Jude 7.  
Imib. 26. 10.

7 Uma wa m kulula uLota, umuntu olungileyo e katazeka ngokuhamba kabi kwabonakeleyo;

Gen. 19. 16.

8 (Ngokuba lomuntu olungileyo, e hlezi pakati kwabo, ngokubona na ngokuzwa, wa kataza umpefumlo wake olungileyo imihla ngemihla ngemisebenzi emibi yabo);

Izihl. 119. 139, 158. Hez. 9. 4.

9 iNkosi i yazi ukubakulula ekulungweni aba i konzayo, nokugeina abangalungile ku ze ku fike usuku lokwahlulela, ba lahlwe;

Izihl. 34. 17, 19.  
1 Kor. 10. 13.

10 Kakulu aba hamba ngokwenyama ekukanukeni okonakele, be dela ukubuswa; Ba ngabaziqenyayo, abazikulisayo ba wa tuka amakosi be ngesabi;

Jude 4, 8.

11 Kepa izingelosi, noma zahlula ngobukulu na ngamaudhla, a zi wa lahli zi wa tuke pambi kweNkosi.

Jude 9.

12 Kodwa laba, njengezilwane ezingaqondiyo, ezi hamba ngokudabuka kwazo, eza zalwa ukuba zi banjwe zi bujiswe, ba tuka izinto aba nga zaziyo; ba ya kububa ekonakaleni kwabo;

Jer. 12. 3. Jude 10.

13 Ba zuze umvuzo wokungalungi, be ti umsindo wa semini u ukutokoza; ba ngamabala namacala, benama ngokokhuliswa kwabo, be sa hlanguyela idili na ni;

Fil. 3. 19. Rome 13. 13. Jude 12.  
1 Kor. 11. 20, 21.

14 Be namehlo a zele ukupinga, a nga yeki ukona; be yenga imimoya engaga-

## II. UPETRO, 3.

qinileyo; be nenhliziyō e jwayele ukufisa imali; abantwana bokutukwa; Jude 11.

15 Ba shiya indhlela eqondileyo, be-duka, ba hamba ngendhlela ka Balami ka Beori, owa tanda umvuzo wokungalungi; Imib. 22. 5.

16 Kepa wa kuzwa ngokona kwake; imbongolo e isituli ya kuluma ngezwi lomuntu, ya nqabela uhlanya lomprofeti.

17 Laba ba imitombo e nge namanzi; amafu a qutywa isipepo; ba geinelwa ubumnyama obuuzima ku ze ku be pakade. Jude 12, 13.

18 Ngokuba ba kulumisa okokuzidhla, oku ize, ba ba yenga ngezinkanuko zenyama, na ngamanyala, labo aba cityu kusinda kwabahamba ekoneni;

Jude 16. Imis. 2. 40. isa. 1. 4.

19 Ba sa ba tembisa ukukululeka, ba izigqili zokonakala bona; ngokuba umuntu u isigqili saloko ahlulwa iko.

Gal. 5. 13. John. 8. 34. Rome 6. 16.

20 Lapo se be sindile kuwo amanyala a sezweni ngokuyazi iNkosi nomSindisi uJesu Kristu, uma be buya ba bhajwe iwo, bahluleke, okokupela kwabo ku za kuba kubi ku nokokuqala. Mat. 12. 45.

isa. 1. 2, 4.

21 Ngokuba kwa ku lungile kubona ukungayazi indhlela yokulunga, ku nokubuya emyalweni ongewele aba u fundiswayo, lapo se be yazi.

Luk. 12. 47. John. 9. 41.

22 Kepa ku behlele njengokulinganiswa okuqiniseleyo, kokuti, Inja i buyele ebuhlanzweni bayo, ngululeke ehlanziweyo i buyele ekubukuzekeni odakeni.

Amazwi 26. 11.

### ISAHLUKO 3.

**L**ENCWADI yesibili se ngi i loba kinina, batandekayo; kuzo zombili ngi ya vusa ukuqonda kwenu okuhle ngokunikumbuza; isa. 1. 13.

2 Ni kumbule amazwi a shunayelwa abaprofeti mandulo, nomyalo weNkosi nomSindisi o shunayelwa itina abapostoli; Jude 17.

3 Nazi loku kakulu, ukuti, ko vela ezinsukwini zokupela aba za ku hleka nokuhleka, be hamba ngezinkanuko zabo, 1 Tim. 4. 1. 2 Tim. 3. 1. isa. 2. 10.

4 Be tyo ukuti, Si pi isitembiso sokufika kwake? ngokuba iloku oyise ba lala izinto zonke zi mi njengokuma kwazo iloku kwa dabuka izwe.

Isai. 5. 19. Jer. 17. 15. Hez. 12. 22, 27.

Mat. 24. 48. Luk. 12. 45.

5 Ngokuba ba hlala be ngazi loku ngamabomu, ukuti, ngezwi lika Tixo izulu la li kona pakade; nokuti, umhlaba o ngamanzi, owenziwa ngamanzi.

Gen. 1. 6, 9. Heb. 11. 3. Izihl. 24. 2.

& 33. 6. & 136. 6. Kol. 1. 17.

6 Kwa ku ngawo izwe ela li kona, li sityekelwa ngamanzi, la bubu;

Gen. 7. 11, 21. isa. 2. 5.

7 Kepa nga lelozwi izulu eli koua manje nomhlaba ku geinelwa umlilo, ku lindelwa usuku lokwahlulela nolokubujiswa kwabantu abangamkonziyo.

Mat. 25. 41. 2 Tes. 1. 8.

8 Kepa, batandekayo, a ni nga hlali ni ngazi lento inye, yokuti, kuyo iNkosi usuku lunye lu njengeminyaka e inkulungwane, nokuti iminyaka e inkulungwane, i njengosuku lunye. Izihl. 90. 4.

9 iNkosi ka i kulibala ukwenza okwentjisiweyo, njengaloku abanye ba ti, ku ukulibala; kepa i si hlalela kade, i nga tandi a bube namunye, i ya tanda ukuba bonke beze ba penduke.

Hab. 2. 3. Heb. 10. 37. Isai. 30. 18.

Hez. 18. 23. Rome 2. 4. 1 Tim. 2. 4.

10 Kodwa usuku lweNkosi lu ya kufika njengesela li fika ebusuku; izulu eli ya kudhlula ngalo, li nenhlokomo enkulu; ku ya kutya konkana, ku bidhlike; ku ya kutya nomhlaba nemisebenzi e kuwo.

Luk. 12. 39. 1 Tes. 5. 2. Izihl. 102. 26.

Mat. 24. 35, 43. Rome 8. 12. Isam. 21. 1.

11 Ngako, loku lezizinto zonke zi bidhlike, ku fanele ni be abantu abanjani na? ngokuhamba okungewele na ngokukonza uTixo. 1 Pet. 1. 15.

12 A ni bheke, ni ku fise ukufika kosuku luka Tixo, izulu eli ya ku penjwa ngalo, li bidhlike, konkana ku tye ku ncibilike. 1 Kor. 1. 7.

Titusi 2. 13. Isai. 34. 4. Mika 1. 4.

13 Kepa njengesitembiso sake si ya bheka izulu elitya nomhlaba omutya, oku kona kuwo ukulunga.

Isai. 65. 17. & 66. 22. Isam. 21. 1, 27.

14 Ngako, batandekayo, loku ni bheka lezizinto, kutazelani ukuba ni funyanwe yite ekutuleni, ni nge nabala, ni nge nacala. 1 Kor. 1. 8. & 15. 58.

Fil. 1. 10. 1 Tes. 3. 13. & 5. 23.

15 Ni tyo ni ti, ukusihlalela kade kweNkosi yetu, ku ukusindiswa; njengaloku umzalwane wetu otandekayo, uPaule wa loba kinina, njengokuhlakanipa a be ku piwe; Rome 2. 4. 1 Pet. 3. 20.

16 Njenga na sezincwadini zake zo-

nke, e kuluma kuzo nga lezizinto; ezi-nye kuzo zi lukuni zokuzwisiswa, aba zi guqulayo abangafundileyo nabangaqini-leyo, njengaloku ba i guqula eminye imibalo, ba ze ba bujiswe.

Rome 8. 19. 1 Kor. 15. 24. 1 Tes. 4. 15.

17 Ngako, batandekayo, loku se ni zazi lezizinto, xwayani, funa neduswe

ngokukohlisa kwababi, ni we ekuqineni kwenu.

Mark 13. 23. isa. 1. 12. Ef. 4. 14. isa. 2. 18.

18 Kodwa kulani emuseni na sekwa-zini iNkosi yetu nomSindisi uJesu Kri-stu, A ku be kuye ubukosi na manje na pakade. Ameni. Ef. 4. 15.

1 Pet. 2. 2. 2 Tim. 4. 18. Isam. 1. 6.

## INCWADI YOKUQALA KA JOHANE.

### ISAHLUKO 1.

**L**OKO okwa ku kona ekuqaleni, esa ku zwayo, sa ku bona ngamihlo etu, sa ku bheka, nezakupatayo izandhla zetu, okwezwi lokupila; John. 1. 1, 14. & 20. 27. isa. 2. 13. & 4. 14. Luk. 24. 39.

2 Pet. 1. 16.

2 (Ukupila kwa bonakaliswa, sa ku bona, si ya qinisa, si ni shumayeza lokukupila okupakade, okwa kuYise, kwa bonakaliswa kitina; John. 1. 4.

& 11. 25. & 14. 6. & 21. 24. Rome 16. 26.

1 Tim. 3. 16. isa. 3. 5. & 5. 20.

3 Loko esa ku bonayo, sa ku zwa, si ya ni shumayeza kona, ukuze ni hlanganye nati; kepa tina si ya hlangana noYise na neNdodana yake uJesu Kristu. Imis. 4. 20. John. 17. 21. 1 Kor. 1. 9. isa. 2. 24.

4 Si ya ni lobela lezizinto, ukuze ukujibula kwenu ku pelele. John. 15. 11.

2 John. 12.

5 Nanti izwi esa li zwayo kuye, si ni shumayeza lona, lokuti, uTixo u ukukanya; a ku ko kuye ubumnyama nakanye. isa. 3. 11. John. 1. 9.

6 Uma si ti si hlanganela naye, lapa, si hamba ebumnyameni, si namanga, a senzi iqiniso; 2 Kor. 6. 14. isa. 2. 4.

7 Kodwa uma si hamba ekukanyeni, njengaye e sekukanyeni, si ya hlanganyela omunye nomunye; igazi lika Jesu Kristu Ndodana yake li ya si hlangana ezonweni zonke; 1 Kor. 6. 11.

isa. 2. 2. Isam. 1. 5.

8 Uma si ti, a si nasono, si ya zikohlisa, iqiniso a li ko kitina. 1 Ama. 8. 46.

Jobe 9. 2. & 15. 14. isa. 2. 4.

9 Uma si zi vuma izono zetu, u tembe-kile yena, u lungile, u ya kusitetelela izono zetu, a si hlanze kuko konke ukungalungi. Izihl. 32. 5. & 51. 2. Amazwi 23. 13.

10 Uma si ti a sonanga, si ya m enza o namanga, izwi lake a li ko kitina.

### ISAHLUKO 2.

**B**ANTWANA bami, ngi ya ni lobela lezizinto, ukuze ni ngonni. Kepa uma umuntu ona, si nommeli kuYise, uJesu Kristu olungileyo. Rome 8. 34. Heb. 7. 25.

2 Yena u isihlaulo ngezono zetu; a ngi tyo ezetu zodwa, ngi tyo nezezwe lonke. Rome 3. 25. 2 Kor. 5. 18.

isa. 1. 7. & 4. 10, 14. John. 1. 29.

& 4. 42. & 11. 51, 52.

3 Si yazi ngaloku ukuti si ya m azi yena, uma si geina imiyalo yake.

4 Yena o tyoyo ukuti, Ngi ya m azi, kepa ka i geini imiyalo yake, u nama-nga, iqiniso a li ko kuye.

isa. 1. 6, 8. & 4. 20.

5 Kodwa o li geinayo izwi lake, utando luka Tixo lu pelele kuyena impela. Ngaloku si yazi ukuti, si kuye.

John. 14. 21, 23. isa. 4. 12, 13.

6 Yena o tyoyo ukuti, u hlala kuye, nga e hamba njengaloku wa hamba yena. Mat. 11. 29. John. 13. 15. & 15. 4. 5.

1 Pet. 2. 21.

7 Batandekayo, a ngi ni lobeli umyalo omutya, kodwa umyalo omdala, ena ni nawo ekuqaleni. Umyalo omdala u izwi ena li zwayo ekuqaleni.

2 John. 5. isa. 3. 11.

8 Kepa, ngi ya ni lobela umyalo omutya, oku iqiniso kuyena na kinina; ngokuba ubumnyama bu sa dhlula, ukukanya oku isiminya se ku kanya.

Rome. 13. 12. 1 Tes. 5. 5, 8.

John. 1. 9. & 8. 12. & 13. 34.

9 Yena o tyoyo ukuti, u sekukanyeni, nxa e zonda umzalwane wake, u se sebumnyamnei na kaloku. 2 Pet. 1. 9.

10 O tandayo umzalwane wake u hlala ekukanyeni; a si ko isikubekiso kuye.

isa. 3. 14. 2 Pet. 1. 10.

11 Kodwa o zoudayo umzalwane wa-

## I. UJOHANE, 3.

ke, u sebunnyameni, u ya hamba ebunnyameni, a kazi lapa e ya kona, ngokuba ubunnyama bu wa pumputekisa amehlo ake. John. 12. 35.

12 Ngi ya ni lobela bantwana, ngokuba ni tetelelwe izono zenu ngegama lake. Imis. 13. 38. isa. 1. 7.

13 Ngi ya ni lobela, boyise ngokuba ni ya m azi yena owa e kona ekuqaleni. Ngi ya ni lobela nina, zinsizwa, ngokuba ni m ahlulile owonakeleyo. Ngi ni lobele nina, bantwana, ngokuba ni m azi uYise. isa. 1. 1.

14 Ngi ni lobele nina, boyise, ngokuba ni m azi yena owo e kona ekuqaleni. Ngi ni lobele nina, zinsizwa, ngokuba ni namandhla, izwi lika Tixo li hlala kinina, ni m ahlulile owonakeleyo. Ef. 6. 10.

15 Ni nga li tandi izwe, nezinto ezi sezweni. Uma umuntu e tanda izwe, utando luka Tixo a lu ko kuye. Rome 12. 2. Mat. 6. 24. Jak. 4. 4.

16 Ngokuba konke okusezweni, inkano yenyama, nenkanuko yamehlo, nokuzidhla ngokubusa, a ku veli kuYise, ku vela ezweni. Ums. 5. 11.

17 Kepa izwe li ya dhluva, nenkanuko yalo; Kodwa o yenzayo intando ka Tixo, u ya kuhlala ku ze ku be pakade. 1 Kor. 7. 31. Jak. 4. 14. 1 Pet. 1. 24.

18 Bantwana, ku isikati sokupela; njengaloku nezwa ku tiwa, umpiku-Kristu u yeza, na kaloku se be kona opiku-Kristu abaningi; nga loku si yazi ukuti, ku isikati sokupela. John. 21. 5. Heb. 1. 2. 2 Tes. 2. 3, 4. 2 Pet. 2. 1. isa. 4. 3. Mat. 24. 5, 24. 2 John. 7.

1 Tim. 4. 1. 2 Tim. 3. 1.

19 Ba puma kitina, kepa ba be nge sibo abakiti; ngokuba uma ba be ngabakiti, nga be hlala nati; kepa ba puma ukuze ba bonakaliswe ukuti, a sibo abakiti bonke. Dut. 13. 13. Izihl. 41. 9. Imis. 20. 30. John. 6. 37. & 10. 28, 29. 1 Kor. 11. 19.

20 Kodwa nina ni nokugecotywa oku vela kuyena o ingewelevi, ni yazi izinto zonke. 2 Kor. 1. 21. Heb. 1. 9. Mark. 1. 24. John. 14. 26.

21 A ngi ni lobele ngokuba ni nga lazi iqiniso; ngi ni lobele ngokuba ni lazi, na ngokuba a ku veli eqinisweni amanga nakanye.

22 Ubani o namanga, uma e uge siye o pikayo, e ti uJesu a ka siye uKristu. Lowo u umpiku-Kristu opikayo uYise neNdodana. isa. 4. 3. 2 John. 7.

23 O pikayo iNdodana ka naye uYise; kepa o vumayo iNdodana u naye uYise.

2 John. 9. John. 14. 7, 9, 10. & 15. 23. isa. 4. 15.

24 Loko ena ku zwayo ekuqaleni a ku hlale kinina. Uma ku hlala kini loku ena ku zwayo ekuqaleni, ni ya kuhlala kuyo iNdodana na kuye uYise.

2 John. 6. John. 14. 23. iss. 1. 3.

25 Hloko ukwetenjiswayo, a setembisa kona, ukupila okupakade. John. 17. 3. isa. 5. 11.

26 Ngi ni lobele lezizinto ngabanedusayo. isa. 3. 7. 2 John. 7.

27 Kodwa ukugecotywa ena kwamkelayo kuye, ku hlala kini; a ni swele ukuba ni fundiswe umuntu: kepa nje ngokuba loko ukugecotywa ku ni fundisa ngezinto zonke, ku iqiniso, a ku kohlisi, njengokuba ku ni fundisile, hlalani njalo kuye: Jer. 31. 34. Heb. 8. 11. John. 14. 26. & 16. 13.

28 Na kaloku, bantwana, a ni hlale kuye; ukuze, nxa e bonakala, si me isibindi, si nga jabi ekufikeni kwake. isa. 3. 2. & 4. 17.

29 Uma nazi ukuti, u lungile yena, ni yazi ukuti, bonke abenzayo ukulunga ba zelwe uye. Imis. 22. 14. isa. 3. 7, 10.

### ISIAHLUKO 3.

**B**HEKANI utando olungaka a si nikelona uYise lokuba si tiwe abantwana baka Tixo! ngako loku uninhlaba a u sazi, ngokuba u nga m azanga yena. John. 1. 12. & 16. 3. & 17. 25.

2 Batandwa, manje si ngabantwana baka Tixo, kepa a ku ka bonakali into esi ya kuba iyo; kodwa si yazi, nxa e bonakala, si ya kuba njengaye; ngokuba si ya kumbona njengokuba e njalo. Isai. 56. 5. Rome 8. 15, 18, 29. Gal. 3. 26. isa. 5. 1. 2 Kor. 4. 17. Jobe 19. 26. Izihl. 16. 11. Mat. 5. 8. 1 Kor. 13. 12.

3 Bonke aba nalo lelitemba kuye ba ya zihlambulula, njengokuba yena e hlambululekile. isa. 4. 17.

4 Bonke abenzayo ukona ba yeqa umteto; ngokuba ukona ku ukuweqa umteto. Rome 4. 15. isa. 5. 17.

5 Ni yazi, wa bonakaliswa yena ukuze a suse izono zetu; a kuko ukona kuye. isa. 1. 2. Isai. 53. 5. 6, 11. Heb. 9. 26.

2 Kor. 5. 21. Heb. 4. 15. 1 Pet. 2. 22.

6 Yena o hlala kuye a koni; owonayo ka m bonanga, ka m azanga. isa. 2. 4. & 4. 8. 3 John. 11.

7 Bantwana, ma ni nga kohliswa mu-

ntu; owenzayo ukulunga u lungile, nje-  
ngokuba yena e lungile.

isa. 2. 26. Hez. 18. 5-9. isa. 2. 29.

8 Owenzayo ukona u ngoka Satani; ngokuba uSatani wona na sekuqaleni. Indodana ka Tixo ya bonakaliswa nga loku, ukuze i cite imisebenzi ka Satani.

Mat. 13. 38. || Gen. 3. 15. Luk. 10. 18.

Heb. 2. 14.

9 Yena o zelwe uTixo a kenzi ukona; ngokuba imbeu yake i hlala kuye; a ngone ngokuba e zelwa uTixo. isa. 5. 18.

1 Pet. 1. 23.

10 Ku ya bonakaliswa abantwana baka Tixo nabantwana baka Satani nga loku; o ngenziyo ukulunga ka siye oka Tixo, naye o nga m tandiyo umzalwane wake.

isa. 2. 29. & 4. 8.

11 Ngokuba leli li izwi ena li zwayo ekuqaleni lokuti ma si tandane.

isa. 1. 5. & 2. 7. & 4. 7. John. 13. 34.

2 John. 5.

12 Si nga bi njengaye uKani owa ba ngowa lowo omubi, wa bulala umfo wabo. Wa m bulalelani na? Wa m bulala ngokuba imisebenzi yake i bi mibi, kepa eyomfo wabo i bi lungile.

Gen. 4. 4, 8. Jude 11.

13 Ni nga mangali, bazalwane bami, noma izwe li ni zonda.

John. 15. 18.

2 Tim. 3. 12.

14 Si yazi ukuti si dhlulile ekufeni si ngene ekupileni, ngokuba si tanda abazalwane. O nga m tandiyo umzalwane wake u sa hlezi ekufeni.

isa. 2. 9-11.

15 Yena o zondayo umzalwane wake u ngumbulali; ni yazi ukuti a ku ko umbulali o nokupila okupakade oku hlezi kuye.

Mat. 5. 21, 22. Gal. 5. 21.

Isam. 21. 8.

16 Si ya bona utando luka Tixo nga loku, wa beka ukupila kwake ngenxa yetu; nati nga si beka ukupila kwetu ngenxa yabazalwane.

John. 15. 13.

isa. 4. 9, 11.

17 Kodwa nxa umuntu e nezinto za lelizwe, e bona umzalwane wake e swele, a m valele umbilini wake wobubele, utando luka Tixo lu nga hlala kanjani kuye na?

Dut. 15. 7. Luk. 3. 11.

18 Bantwana bami, a si nga tandi ngezwi, na ngolimi, kodwa a si tande ngokwenza na ngeqiniso.

Hez. 33. 31.

Ef. 4. 15.

19 Si yazi nga loku ukuti si seqiniseweni, si ya kuqinisa izihliziyo zetu pambi kwake.

John. 18. 37. isa. 1. 8.

20 Ngokuba, uma inhliziyo yetu i si

lahla; uTixo umkulu ku nenhliziyoyetu, u ya kwazi konke.

1 Kor. 4. 4.

21 Batandwa, uma inhliziyo yetu i nga si lahli, si nokweteniba kuTixo.

Jobe 22. 26. Heb. 10. 22.

22 Konke esi ku celayo, si ya kwamkela kuye, ngokuba si ya i gcina imloto yake, senze okutandekayo kuye.

Jer. 29. 12. Mat. 7. 8. Jak. 5. 16.

John. 8. 29. & 9. 31.

23 Lo u unyalo wake wokuti si kolwe egameni leNdodana yake uJesu Kristu, si tandane njengokusiyala kwake.

John. 6. 29. isa. 2. 8. & 4. 21.

24 O geinayo imiyalo yake u hlala kuye, naye u hlala kuye. Si yazi nga loku ukuti u hlala kitina, ngaye uMoya a si nikile yena.

John. 14. 23. & 15. 10. & 17. 21-23.

isa. 4. 12, 13.

#### ISAHLUKO 4.

**B**ATANDWA, ma ni nga kolwa omo-  
ya bonke, kodwa ba cingeni omo-  
ya ukuba ba ngabaka Tixo: ngokuba be  
baningi abaprofeti bamanga abapumele  
ezweni.

1 Kor. 14. 29. 1 Tes. 5. 21.

Isam. 2. 2. Mat. 24. 4, 5.

2 Ni ya m azi uMoya kaTixo nga loku; UMoya o vumayo ukuti, uJesu Kristu u zile ngenyama, u ngoka Tixo;

1 Kor. 12. 3. isa. 5. 1.

3 UMoya o nga vumiyo ukuti uJesu Kristu u zile ngenyama, ka siye oka Tixo; uye u ngumoya wompikuKristu, eni zwile ngaye ukuti, u yeza, na kaloku u se kona ezweni.

2 John. 7.

2 Tes. 2. 7.

4 Ni ngabaka Tixo nina, bantwana, ni bahlulile; ngokuba lowo o kinina umkulu ku na lowo o sezweni.

John. 12. 31. 1 Kor. 2. 12.

5 Bona ba ngabezwe; nga loku ba ya kuluma ngezwe; izwe li ya bezwa.

John. 3. 31. & 15. 19.

6 Si ngabaka Tixo tina. Yena o m aziyo uTixo u ya si zwa; yena o nge siye oka Tixo ka si zwa. Nga loku si ya m azi umoya weqiniso nomoya wama-nga.

John. 8. 47. & 10. 27. & 14. 17.

1 Kor. 14. 37. 2 Kor. 10. 7.

7 Batandwa, a si tandane; ngokuba utando lu vela kuTixo; o tandayo u zelwe uTixo u ya m azi uTixo.

isa. 3. 11.

8 O nga tandiyo ka m azi uTixo; ngokuba uTixo e lutando.

isa. 2. 4. & 3. 6.

9 Kwa bonakaliswa utando luka Tixo kitina nga loku; uTixo wa i tuma iNdo-

dana yake e zelwe yodwa ukuza emhlabeni, si ze si pile ngayo. John. 3. 16.

Rome 5. 8. isa. 3. 16. & 5. 11.

10 Nautu utando; asitina esa m tando uTixo, uyena owa si tanda tina, wa tuma iNdodana yake i be isihlaulelo ngezono zetu. John. 15. 16. Rome 5. 8, 10.

isa. 2. 2.

11 Batandwa, uma uTixo wa si tanda kangaka, nga si taudana nati.

Mat. 18. 33.

12 A ku ko muntu o ke wa m bona uTixo. Uma si tandana, uTixo u hlala kiti; utando lwake lu pelele kitina.

John. 1. 18.

13 Si yazi nga loku ukuti, si hlala kuye, nokuti yena u hlala kitina, ngokuba u sabele umoya wake. John. 14. 20.

isa. 3. 24.

14 Si bonile, si ya qinisa ukuti, uYise wa i tuma iNdodana i be nmSindisi wezwe.

John. 3. 17.

15 Yena ovumayo ukuti, uJesu u iNdodana ka Tixo, uTixo u hlala kuye, naye u hlala kuTixo.

isa. 5. 5.

16 Si lwazi utando uTixo a nalo kitina, si kolwa ilo, uTixo u utando; o hlala otandweni, u hlala kuTixo, noTixo u hlala kuye.

isa. 3. 24.

17 Ngaloku ukutandana nati ku pelele, si ze si me isibindi ngosuku lokwahlulela; ngokuba njengaloku e njalo yena, si njalo nati ku lelizwe.

Jak. 2. 13. isa. 2. 28. & 3. 3, 21.

18 A ku ko uvalo otandweni; utando olupeleleyo lu ya xotya uvalo; ngokuba uvalo lu banga ubuhlungu, O novalo ka pelele otandweni.

19 Si ya m tanda yena ngokuba wa qala wa si tanda tina.

isa. 2. 4. & 3. 17.

20 Uma umuntu e tyo ukuti Ngi ya m tanda uTixo, kepa a zonde umzalwane wake, u namanga; ngokuba o nga m tandiyo umzalwane wake a m bonileyo, a nga m tanda kanjani uTixo a nga m bonanga na?

21 Si nawo lomiyalo esi piwa uye wokuti, o tandayo uTixo ka tande nomzalwane wake.

isa. 3. 23.

### ISAHLUKO 5.

**Y**ENA o kolwayo ukuti uJesu uye uKristu, u zelwe uTixo; o m taudayo o zeleyo, u ya m tanda nozelweyo uye.

John. 1. 12, 13. isa. 2. 22. & 4. 2.

2 Si yazi nga loku ukuti, si ya tanda abantwana baka Tixo, nxa si m tanda uTixo, si geine imiyalo yake.

3 Ngokuba loku ku utando luka Tixo, ukugcina imiyalo yake; imiyalo yake ka i nzima;

John. 14. 15. 2 John. 6.

Mat. 11. 30.

4 Ngokuba konke oku zelwe uTixo ku ya nqoba izwe; loku inqobo e nqoba izwe, ukukolwa kwetu.

John. 16. 33.

isa. 4. 4.

5 Ubani o nqobayo izwe, uma e nge siye o kolwayo ukuti, uJesu u iNdodana ka Tixo?

1 Kor. 15. 57. isa. 4. 15.

6 Lo uyena oweza ngamanzi na ngegazi, uJesu Kristu a kezanga ngamanzi odwa, weza ngamanzi na ngegazi; ku uMoya o qinisayo, ngokuba uMoya u iqiniso.

John. 15. 26. & 19. 34. 1 Tim. 3. 16.

7 & 8 Ngokuba ku kona okutatu okuqinisayo, uMoya namanzi, negazi; loku okutatu ku hlalngene.

John. 1. 1. & 10. 30. Isam. 19. 13.

9 Uma si vuma ukuqinisa kwabantu, ukuqinisa kuka Tixo ku kulu ku nako; ngokuba loku ku ukuqinisa kuka Tixo, a ku qinisayo ngeNdodana yake.

John. 8. 18. Mat. 3. 17.

10 O kolwayo iNdodana ka Tixo u nofakazi pakati kwake; o nga kolwayo uTixo u m enzile o namanga, ngokuba e nga kolwanga ukuqinisa, a ku qinisayo uTixo ngeNdodana yake.

Rome 8. 16. Gal. 4. 6. John. 3. 33. & 5. 38.

11 Loku ku ukuqinisa, ukuti, uTixo u si pile ukupila okupakade; lokukupila ku seNdodaneni yake.

isa. 2. 25. & 4. 9. John. 1. 4.

12 O nayo iNdodana u nokupila; o nge nayo iNdodana ka Tixo, ka nako ukupila.

John. 3. 36. & 5. 24.

13 Lezizinto ngi zi lobile kinina ni ze nazi ukuti, ni nokupila okupakade, nina eni kolwayo igama leNdodana ka Tixo.

John. 20. 31. isa. 1. 1, 2.

14 Leli li itemba esi nalo kuye, lokuti, nxa si cela into ngokwentando yake, u ya si zwa.

isa. 3. 22.

15 Uma sazi ukuti, u ya si zwa, si yazi si ya kuzuza loku esi ku celayo kuye, noma si celani.

16 Uma umuntu e m bona umzalwane wake enza isono, esi nge siso sokufa, u ya kucela, kona u ya kumnika ukupila, labo abenzayo isono esi nge nakufa. Si kona isono esi nokufa; a ngi tyo ukuti u ya kusikulekela sona.

Jobe 42. 8.

Jak. 5. 15. Mat. 12. 31, 32. Heb. 6. 4, 6.

& 10. 26. Jer. 7. 16.

17 Konke okungangile ku isono; ku kona isono esi nge nakufa.

isa. 3. 4.

### III. UJOHANE.

18 Si yazi ukuti o zelwe uTixo a koni; kepa o zelwe uTixo u ya zilondoloza, a nga ni pati omubi. isa. 3. 9. Jak. 1. 27.

19 Si yazi si ngabaka Tixo tina, kepa izwe lonke li mi ebubini. Gal. 1. 4.

20 Si yazi iNdodana ka Tixo i fikile, i si nikile ukuqonda si ze si m azi oqinisileyo; si kuye oqinisileyo, kuyo iNdo-

dana yake uJesu Kristu. Lo u uTixo oqinisileyo nokupila okupakade.

Luk. 24. 45. John. 17. 3. & 20. 28.

Isai. 9. 6. & 44. 6. & 54. 5. Imis. 20. 28.

Rome 9. 5. 1 Tim. 3. 16. Titusi 2. 13.

Heb. 1. 8.

21 Bantwana, zilondolozeni ezitombe-ni. Amenii. 1 Kor. 10. 14.

## INCWADI YESIBILI KA JOHANE.

**I**LUNGA kuyo inkosikazi eketiweyo, na kubantwana bayo, engi ba tandayo ngesiminya; a si mina ngedwa, kepa nabo bonke aba laziyo iqiniso;

1 John. 3. 18. 3 John. 1. John. 8. 32.

Gal. 3. 1. Heb. 10. 26.

2 Ngenxa yeqiniso eli kona kitina, eli ya kuba nati ku ze ku be pakade.

3 A ku be kini umusa, nobubele, nokutula, oku vela kuTixo uYise, na kuyo iNkosi uJesu Kristu iNdodana ka Yise, ngesiminya na ngotando. 1 Tim. 1. 2.

4 Nga jabula kakulu, ngokuba ngi ba fumene abantwana bako be hamba ngesiminya, njengokusiyala kuka Yise.

3 John. 3.

5 Ngi ku ncenga kaloku, nkosikazi, ku nge njengokungati ngi ku lobela umyalo omutya, kodwa lowo esa si nawo ekuqaleni, wokuti, A si tandane.

1 John. 2. 7, 8. & 3. 11.

6 Loku ku utando, ukuhamba ngemiyalo yake. Lo u umyalo, wokuti, nga ni hamba ngawo, njengokuzwa kwenu ekuqaleni.

1 John. 2. 24. & 5. 3.

7 Se be vele ezweni abanengi aba ko-

hlisayo, aba nga vumiyo ukuti, uJesu Kristu u zile ngenyama. Lowo u umkohlisi nompikuKristu.

1 John. 4. 1-3. & 2. 22. & 4. 3.

8 Xwayani nina, si nga lahlekelwa esi ku sebenzileyo, kodwa si wamkele umvuzo opeleleyo.

Mark 13. 9. Gal. 3. 4. Heb. 10. 32, 35.

9 Yena owedukayo, e nge mi ekufundiseni kuka Kristu, ka naye uTixo. O miyo ekufundiseni kuka Kristu u naye uYise neNdodana. 1 John. 2. 23.

10 Uma ku fika umuntu kini, e ngezi na lokukufundisa, ni nga m amkeli endhlini, ni nga m bingeleli;

Rome 16. 17. Gal 1. 8, 9.

11 Ngokuba o m bingelelayo u hlanganyela naye imisebenzi yake emibi.

12 Loku ngi nokuningi kokunilobela, a ngi yi kukuloba ngepepa neinke; kodwa ngi yetemba ukuza kini, ngi kulume nani ngomlomo, ku ze ku pelele ukujabula kwetu. 3 John. 13. 1 John. 1. 4.

13 Abantwana baka dade wenu o ketiweyo ba ti a ngi ba konzele kuwe. Amenii.

## INCWADI YESITATU KA JOHANE.

**I**LUNGA kuye uGayo otandwayo, engi ni tandayo ngesiminya. 2 John. 1.

2 Sitandwa, ngi ya fisa ku nako konke ukuba u be nenhlahlaha, u hambe kahle, njengokuba u nenhlahlaha umpfumlo wako.

3 Nga jabula kakulu lapa be fika abazalwane; ba qinisa iqiniso lako, njengokuba u hamba ngeqiniso. 2 John. 4.

4 A ngi nakujabula okukulu ku na

loku, ukuzwa ku tiwa abantwana bami ba hamba ngeqiniso.

1 Kor. 4. 15. Filemone 10.

5 Sitandwa, u yenzisa okwabakolwayo ngaloku o kwenzela abazalwane naba semzini;

6 Aba lu qinisileyo utando lwako pambi kwebandhla; uma u ba pelekezela labo ngokufanele uTixo, u ya kwenza kahle.



7 Ngokuba ba puma ngenxa yegama lake, be ngamkeliswa uto abezizwe.

1 Kor. 9. 12, 15.

8 Ngako nga si ba pata kahle abanjalo, si sebenzele iqiniso kanye nabo.

9 Nga lobela ibandhla; kodwa uDiotrefe, o tanda a be mkulu, ka samkeli.

10 Ngako uma ngi za, ngi ya kukumbula imisebenzi yake a yenzayo, e si kulumela ngamazwi amabi; a ku m anele loku; ka bamkeli abazalwane yena, nabo aba ba vumayo u ya ba ngabela, a ba kipe ebandhleni.

11 Sitandwa, u nga landeli okubi, kodwa okuhle. Owenzayo okuhle u ngo-

ka Tixo; kodwa owenzayo okubi ka m bonanga uTixo. Isai. 1. 16, 17.

1 Pet. 3. 11. 1 John. 2. 29. & 3. 6.

12 uDemetrio u fakazelwa ibo bonke neqiniso uqobo lwalo; nati siya m fakazela; ni yazi ukufakazela kwetu ku iqiniso. John. 21. 24.

13 Be ngi nokuningi kokuloba, kepa a ngi yi kukulobela ngeinke nepeni.

2 John. 12.

14 Ngi yetemba ngi ti ngi za kukubona masinyane, si kulume ngomlomo. Ukutula a ku be kuwe. Izihlobo zi ti a ngi zi konzele kuwe. U ngi konzele kuzo izihlobo ngamagama.

## INCWADI KA JUDA.

UJUDA, inceku ka Jesu Kristu, umfowabo ka Jakobe, kwababiziweyo, abangewele kuTixo uYise, be geinwa uJesu Kristu; Luk. 6. 16. Imis. 1. 13. John. 17. 11, 12, 15. 1 Pet. 1. 5. Rome 1. 7.

2 A ku vame kini umusa, nokutula, notando. 1 Pet. 1. 2.

3 Batandwa, ngi sa kutele nokukutala ukunilobela ngokusiudiswa kwetu sonke, kwa sweleka ukuba ngi ni lobele, ngi ni yale, ni ze ni qinise ni ku lwele ukukolwa e se be ku nikiwe abangewele.

Fil. 1. 27. 1 Tim. 1. 18. & 6. 12.

2 Tim. 1. 13. & 4. 7. Titusi 1. 4.

4 Ngokuba se be ngenile abantu abatile be nyelela, aba ku miselwe lokukulahlwa pakade, be nga konzi uTixo, be pendula umusa ka Tixo wetu u be icilo, be pika iNkosi eyodwa, iNkosi yetu uJesu Kristu. Gal. 2. 4. Rome 9. 21, 22. 1 Pet. 2. 8. Heb. 12. 15. Titusi 1. 16. & 2. 11.

2 Pet. 2. 1, 10. 1 John. 2. 22.

5 Kepa ngi ya tanda ukunikumbuzo, noma kade be ni kwazi loku, ukuti iNkosi, lapo se i sindisile abantu i ba kipa ezweni la sEgipite, ya buya ya ba bubisa abangakolwayo. 1 Kor. 10. 9.

Imib. 14. 29, 37. & 26. 64. Izihl. 106. 26.

Heb. 3. 19.

6 Nezingelosi ezi nga geinanga ubukosi bazo, kodwa za li shiya ikaya, i zi geinile ebumnyameni ngezibopo ezipakade ku ze ku fike ukwahlulela kosuku olukulu. 2 Pet. 2. 4.

7 Njengokuba iSodoma neGomora nemizi ya kona, eya hlobonga njengayo,

ya landa enye inyama, i misiwe i be umboniso, i lahlwe i ze i tyiswe umlilo opakade. Gen. 19. 24. Dut. 29. 33.

2 Pet. 2. 6.

8 Ku njalo laba abapupayo ba yona inyama, ba dela amakosi, ba tuka izikulu. 2 Pet. 2. 10.

9 Kepa uMikale ingelosi enkulu, lapo e pikisana noSatani, e pika ngesidumbu sika Mosi, wa e nge nakumlahla e tuka, kepa wa ti, iNkosi a i ku jezise.

Dan. 10. 13. Isam. 12. 7. 2 Pet. 2. 11.

Zek. 3. 2.

10 Kepa laba ba ku tuka loko a ba nga kwaziyo; ba zona ngaloku aba kwaziyo ngokudabuka kwabo njengezilwane ezingaqondiyo. 2 Pet. 2. 12.

11 Nako kubona! ngokuba be hamba endhlehleni ka Kani, ba gijimela esonweni sika Balami ngenxa yomvuzo, ba buba ekupikiseni okuka Kora.

1 John. 3. 12. Imib. 22. 7, 21.

2 Pet. 2. 15. Imib. 16.

12 Laba ba ngamatye emikosini yenu, be dhla nani be nge nalualo, be zisutisa; ba ngamafu e nge namanzi, e qutywa umoya; ba imiti e bunileyo, e nga teliyo, i file isibili, i sityulwe;

2 Pet. 2. 13. Amazwi 25. 14. Ef. 4. 14.

Mat. 15. 13.

13 Ba ngamazo olwandhle a kukumelleyo, a kepuzayo amahlazo awo; izinkanyezi ezindindayo, ezi geinelwe ubumnyama obunzima ku ze ku be pakade.

Isai. 57. 20. 2 Pet. 2. 17.

14 uEnoke, owesikombisa emva kuka

## ISAMBULO, 1.

Adamu wa profeta ngabo, e ti, Bheka, i yeza iNkosi i nabangewele bayo aba iziinkulungwane ezimashumi,

Gen. 5. 18. Dut. 33. 2. Dan. 7. 10.

Zek. 14. 5. Mat. 25. 31.

15 I za ukubahlulela bonke, i ba lahle bonke ababi ngayo yonke imisebenzi emibi yabo, abona ngayo, na ngako konke ukutuka aba m tuka ngako ababi abonayo.

1 Sam. 2. 3. Izihl. 31. 18.  
Mal. 3. 13.

16 Laba ba ngabasolayo, abatetisayo, be hamba ngokukhanuka kwabo; umlomo wabo u kuluma amazwi okuzidhla, be bheka abantu ngenxa yomvuzo.

2 Pet. 2. 18. Jak. 2. 1.

17 Keba, batandwa, kumbulani amazwi a shunyayelwa pambili abapostoli beNkosi yetu uJesu Kristu; 2 Pet. 3. 2.

18 Ukuti ba ni tyela ba ti, ngesikati sokupela ku ya kuba kona abahlekisayo, be hamba ngezinkanuko ezimbi zabo.

1 Tim. 4. 1. 2 Tim. 3. 1. 2 Pet. 3. 3.

19 Laba ba ngabahlukanayo nabanye; aba kwenyama, be nge naye uMoya.

Amazwi 18. 1. Hez. 14. 7. Hos. 4. 14.

& 9. 10. Heb. 10. 25. 1 Kor. 2. 14.

20 Keba nina, batandwayo, zakeleni ekukulweni kwenu oku ingewele, ni kuleke ngaye uMoya o ingewele,

Kol. 2. 7. 1 Tim. 1. 4. Rome 8. 26.

Ef. 6. 18.

21 Ni zigcine otandweni luka Tixo, ni bheka umusa weNkosi yetu uJesu Kristu, ni ze ni be nokupila okupakade.

Titusi 2. 13. 2 Pet. 3. 12.

22 Ba haukeleni abanye, nahlukanisa;

23 Ni ba sindise abanye ngokwesaba, ni ba hlwite emlilweni, ni nengwa ingubo e ngcolile inyama.

Rome 11. 14.  
Amosi 4. 11. Zek. 3. 2, 4, 5. 1 Kor. 3. 15.  
Isam. 3. 4.

24 A ku be kuyena o namandhla kunilondoloza ni nga wi, a ni beke ni nga bi nacala ebukosini bake ni be nokujabula okukulu,

Rome 16. 25. Ef. 3. 20.  
Kol. 1. 22.

25 Kuye uTixo e yedwa umSindisi wetu, ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu, a ku be udumo, nobukosi, namandhla, nobuqawe, ku nga ka bi ko isikati, na manje, na ku ze ku be nini. Amen!

Rome 16. 27. 1 Tim. 1. 17.

## ISAMBULO SIKA JOHANE.

### ISAHLUKO 1.

**I** SAMBULO sika Jesu Kristu, a m nika sona uTixo, ukuba a zi bonise izinceku zake izinto e be se zi za kuvela; wa tuma ngayo ingelosi, wa yazisa inceku yake uJohane;

John. 3. 32.

& 8. 26. & 12. 49. isa. 4. 1. & 22. 16.

2 O wa fakazela izwi lika Tixo, nezindaba zika Jesu Kristu, nako konke a ku bonayo.

1 Kor. 1. 6. isa. 6. 9. & 12. 17.

1 John. 1. 1.

3 U busisiwe o wa fundayo, naba zwayo amazwi a lesisiprofeto, ba geine okulotyweyo kuso; ngokuba isikati si seduze.

Luk 11. 28. isa. 22. 7, 10.

Rome 13. 11.

4 uJohane kuwo amabandhla a isikombisa a seAsia; a ku be kini umusa, nokutula oku vela kuyena o kona, owa e kona, o zayo, na kubo oMoya aba isikombisa aba pambi kwesihlalo sake,

Eks. 3. 14. John. 1. 1. isa. 3. 1. & 4. 5. & 5. 6.

5 Na kuJesu Kristu, ufakazi o isimini, owamazibulo kwabafileyo, iNkosi

yamakosi omhlaba. Kuyena o si taudayo owa si hlauza izono zetu ngegazi lake,

John. 8. 14. & 13. 34. & 15. 9.

1 Tim. 6. 13. isa. 3. 14. & 17. 14. Kol. 1. 18.

Ef. 1. 20. Gal. 2. 20.

6 Wa senza si be amakosi nabapristi kuTixo uYise wake kuyena a ku be udumo nobukosi ku ze ku be pakade. Amen!

1 Pet. 2. 9. isa. 5. 10. & 20. 6.

1 Tim. 6. 16. Heb. 13. 21.

7 Bheka, u yeza namafu; amehlo onke a ya kumbona, nabo aba m gwazayo; izizwe zonke zomhlaba zi ya kulila ngaye. Yebo, Amen!

Dan. 7. 13.

Mat. 24. 30. Imis. 1. 11. Zek. 12. 10.

John. 19. 37.

8 Ngi nguAlfa noOmega; i tyo iNkosi uTixo, o kona, owa e kona, o zayo, uSemandhla.

Isai. 41. 4 & 44. 6 & 48. 12.

isa. 21. 6. & 22. 13. I isa. 4. 8. & 11. 17. & 16. 5.

9 Mina Johane, umzalwane wenu, umhlanganyeli kanye nani ekuhlupokeni, na sembusweni na sekubekezeleni kuka Jesu Kristu, nga ngi kona esiqi-

ngini esi tiwa iPatmo, ngezwi lika Tixo na ngezindaba zika Jesu Kristu.

Fil. 1. 7. & 4. 14. Rome 8. 17. 2 Tim. 2. 12. isa. 6. 9.

10 Nga ngi noMoya ngosuku lweNkosi; nga li zwa emva kwami izwi elikulu, li njengeletilongo, Imis. 10. 10. & 20. 7. 2 Kor. 12. 2. isa. 4. 2. & 17. 3. & 21. 10. 1 Kor. 16. 2.

11 Li ti, Loku o ku bonayo ku lobe encwadini, u i tume kuwo amabandhla a isikombisa a seAsia; kwela seEfesu, nela seSmurna, nela sePergamo, nela seTuatira, nela seSardesi, nela seFildelfia, nela seLaodikea.

12 Nga penduka ukuba ngi li bone izwi ela kuluma nami. Se ngi pendukile, nga bona izinti zezibani ezi isikombisa zegolide. Eks. 25. 37. Zek. 4. 2.

13 Ngapakati kwezinti zezibani nga bona otila o fana neNdodana yomuntu, embete ingubo e fikela ezinyaweni, e botyiwe ngasemabeleni ngebande legolide. isa. 2. 1. Hez. 1. 26 Dan. 7. 13. & 10. 5, 16.

14 Ikanda lake nezinwele zake za zi mhlope, njengoboya bezimvu ezimhlope njengongqongqwaane; amehlo ake a e njengelangabi lomlilo; Dan. 7. 9. & 14. 14. & 15. 6. & 10. 6. isa. 2. 18. & 19. 12.

15 Izinyawo zake za zi njengetusi elikazimulayo, njengokungati zi vutiwe eziko; izwi lake la li njengenhlokomo yamanzi amaningi; Hez. 1. 7. & 43. 2. Dan. 10. 6. isa. 2. 18. & 14. 2. & 19. 6.

16 Wa e pete izinkanyezi ezi isikombisa esandhlani sake sokunene; kwa puma emlonjeni wake inkemba ebukali izinsiko zombili; ubuso bake ba bu njengelanga li kanya ngamandhla alo. Isai. 49. 2. Ef. 6. 17. isa. 2. 12, 16. & 3. 1. & 10. 1. Imis. 26. 13.

17 Lapo se ngi m bonile, nga wa nga sezinyaweni zake njengofileyo. Wa beka isandhla sake sokunene pezu kwami, wa ti, U ngesabi; ngi ngowokuqala nowokupela, Hez. 1. 28. Dan. 8. 18. & 10. 10. Isai. 41. 4. & 44. 6. & 48. 12. isa. 2. 8. & 22. 13.

18 Nopilayo; nga fa, kepa, bheka, se ngi pila ku ze ku be pakade; ngi nezihlutulelo zokufa nezehaidese.

Rome 6. 9. isa. 4. 9. & 5. 14. & 20. 1.

19 Zi lobe izinto o zi bonileyo; na lezi ezi kona, na lezo ezi za kuba kona ngasemva kwa lezo; isa. 2. & isa. 4.

20 Imfihlakalo yezinkanyezi ezi isikombisa owa zi bonayo esandhlani sami sokunene, nezinti zezibani esi isikombi-

sa zegolide. Izinkanyezi ezi isikombisa zi izingelosi zamabandhla a isikombisa; izinti zezibani ezi isikombisa zi ngamabandhla a isikombisa. Mal. 2. 7.

isa. 2. 1. Mat. 5. 15. Fil. 2. 15.

## ISAHLUKO 2.

**K**UYO, ingelosi yebandhla la seEfesu loba ngokuti, U tyo lowo o zi pete izinkanyezi ezi isikombisa esandhlani sake sokunene, o hamba pakati kwezinti zezibani ezi isikombisa, u ti, isa. 1. 13, 16. 20.

2 Ngi yazi imisebenzi yako nokukutazela kwako, nokubekezela kwako, nokuti, u nge vumele ababi; u ba hlolile abatyoyo ba ti ba ngabapostoli kepa be nge siboy; u ba fumene be qamba amanga; isa. 3. 1, 8, 15. 1 John. 4. 1. 2 Kor. 11. 13.

3 U nokubekezela, u kutazele ngegama lami, a u katalanga. Gal. 6. 9. Heb. 12. 3, 5.

4 Kepa ngi ku sola, ngokuba u yekile utando lwako lokuqala.

5 Ngako kumbula lapo u we kona, u penduke, wenze imisebenzi yokuqala; uma u ngenzi njalo, ngi ya kuza kuwe masinyane, ngi suse uti lwesibani sako endaweni yalo, uma u nga penduki. Mat. 21. 41, 43.

6 Kepa u na loku ukuti, u ya zonda imisebenzi yabaNikolao, engi i zondayo nami.

7 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyoyo uMoya emabandhlani; o nqobayo ngi ya kumnika ukuba a dhle kuwo umuti wokupila o separadisi lika Tixo. Mat. 11. 15. isa. 3. 6, 13, 22. & 13. 9. & 22. 2, 14. Gen. 2. 9.

8 Na kuyo ingelosi yebandhla la seSmurna loba ngokuti, U tyo lowo owokuqala nowokupela, owa fayoy, kepa u se pila, u ti; isa. 1. 8, 17, 18.

9 Ngi yazi imisebenzi yako, nokuhlupeka kwako, nobumpofu bako, (kepa u fuyile,) nenhlamba yabatyoyo ba ti ba ngabaJuda, be nge siboy, kodwa ba ibandhla lika Satani.

Jak. 2. 5. Rome 2. 17. isa. 3. 9.

10 U ngesabi loko o za kuhlupeka ngako. Bheka, uSatani u ya kufaka abanye kini etilongweni, ukuba ni lingwe; ni ya kuhlupeka izinsuku ezi ishumi; kutazela u ze u fe, ngo ku nika umqele wokupila. Mat. 10. 22. & 24. 13. Jak. 1. 12. isa. 3. 11.

11 O nendhlebe a kezwe loku a ku

tyoyo uMoya emabandhlени; o nqobayo a ka yi kwehlelwa ukufa kwesibili.

isa. 13. 9. isa. 20. 14. & 21. 8.

12 Na kuyo ingelosi yebandhla la se-Pergamo loba ngokuti, U tyo lowo o nenkemba e bukali, e nezinsiko ezimbili, u ti,

isa. 1. 16.

13 Ngi yazi imisebenzi yako, na lapo u hlala kona, lapo si kona isihlalo sika Satani; u ya bamelela egameni lami; a u pikanga ukukolwa kwami, qa, na nga leyomihla a e ufakazi o isiminya ngayo uAntipasi, owa bulawa pakati kwenu, lapa e hlala kona uSatani.

14 Kepa ngi nensolo encinyane kuwe, ngokuba u nabo lapo aba bamelela ekufundiseni kuka Balami, owa fundisa uBalaki, ukubeka isikubekiso pambi kwamadodana ka Israeli, sokuba a dhle loko oku nikelwa ezitombeni, nokuba a pinge.

Imib. 25. 1. & 31. 16.

2 Pet. 2. 15. Jude 11. Imis. 15. 29.

1 Kor. 10. 19, 20.

15 Ku njalo nawe u nabo aba bamelele ekufundiseni kwabaNikolao.

16 Ngako penduka; uma u ngenzi njalo ngi ya kuza kuwe masinyane, ngi lwe nabo ngenkemba yomlomo wami.

Isai. 11. 4. 2 Tes. 2. 8. isa. 1. 16.

& 19. 15, 21.

17 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyoyo uMoya emabandhlени; o nqobayo ngi ya kumnika imana elifihlakeleyo; ngi ya kumnika netye elimhlope, ku lo tyiwe etyeni igama elitya eli ngaziwa umuntu, o lamkelayo kupela.

18 Na kuyo ingelosi yebandhla la se-Tuatira loba ngokuti, I tyo iNdodana ka Tixo, e namehlo a njengelagabi lomlilo, nezinyawo zi njeugetsi elikazimulayo, i ti,

isa. 1. 14, 15.

19 Ngi yazi imisebenzi yako, notando lwako, nokukolwa kwako, nokukonza kwako, nokubekezela kwako; imisebenzi yako yokupela mikulu ku neyokuqala.

20 Kepa ngi nensolo encinyane kuwe, ngokuba u vumele lomfazi wako, uJezzebele o tyoyo ukuti u ngumprofeti; u ya fundisa u zedusa izinceku zami zi ze zi pinge zi dhle okuhlalyelwa izitombe.

1 Ama. 16. 31. & 21. 25. 2 Ama. 9. 7.

Eks. 34. 15.

21 Nga m nika isikati sokuba a penduke, kepa ka vumi ukupenduka ekupingeni kwake.

Rome 2. 4. isa. 9. 20

22 Bheka, ngi ya kumhlala embedeni,

262

nabo aba pingayo naye, ekuhlupekeni okukulu, uma be nga penduki emisebenzini yabo.

23 Ngi ya kubabulala abantwana bake; amabandhla onke a ya kwazi ukuti, ngi nguye o hlola izibilini nezinhliziyoy; ngi ya kuninika, ku be ilowo, ngokwemisebenzi yenu. 1 Sam. 16. 7. 1 Kron. 28. 9. Izihl. 7. 9. & 62. 12. Jer. 11. 20. Rome 14. 12.

isa. 20. 12.

24 Kepa ngi tyo kinina, eni ngabaseleyo eTuatira, bonke aba nge na lesisifundiso; aba ngazanga amacebo ka Satani, njengokutyo kwabo, a ngi yi kunetwesa omunye umtwalo.

Imis. 15. 28.

25 Kepa loku eni nako ku bambiseni ngi ze ngi fike.

isa. 3. 11.

26 O nqobayo, e geina imisebenzi yami ku ze ku be sekupeleni, ngi ya kumnika amandhla pezu kwezizwe;

Mat. 19. 28.

Luk. 22. 29, 30. 1 Kor. 6. 3.

isa. 3. 21. & 20. 4.

27 Wo zi busa ngentonga yensimbi, zi pahlazwe njengezitya ezibunjiweyo, njengaloku ngamkele kuBaba.

Izihl. 2. 9. isa. 12. 5. & 19. 15.

28 Ngi ya kumnika inkanyezi yokusa.

2 Pet. 1. 19. isa. 22. 16.

29 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyoyo uMoya emabandhlени.

### ISAHLUKO 3.

**N**A kuyo ingelosi yebandhla la se-Sardisi loba ngokuti. U tyo lowo o nomoya aba isikonibisa baka Tixo, nezinkanyezi ezi isikombisa, u ti, Ngi yazi imisebenzi yako, ukuti, u negama lokuti, u kona, kepa a u seko.

isa. 1. 4, 16. & 4. 5. & 5. 6. Ef. 2. 1. 1 Tim. 5. 6.

2 Linda, u qinise okuseleyo o be ku za kufa; ngokuba a ngi fumene imisebenzi yako i pelele pambi kuka Tixo.

3 Kumbula ukuti u fundile, u zwile; a ku qapele, u penduke, uma u nga lindi, ngi ya kukwehlela njengesela; a u yi kusazi isikati engi ya kukwehlela ugaso.

1 Tim. 6. 20. 2 Tim. 1. 13.

Mat. 24. 43. & 25. 13. isa. 16. 15.

4 Kepa u namagama a incozana eSardesi a labo aba nga ngeolisanga izingubo zabo; ba ya kuhamba nani bebete izingubo ezimhlope, ngokuba be fanele.

Imis. 1. 15. Jude 23. isa. 4. 4. & 6. 11.

& 7. 9, 13.

5 O nqobayo u ya kwembatiswa izingubo ezimhlope; a ngi yi kuhlanguka igama lake eucwadini yobomi; ngi ya

kuvumela igama lake pambi kuka Baba, na pambi kwezingelosi zake.

isa. 19. 8. || Eks. 32. 32. Fil. 4. 3. isa. 13. 8. & 17. 8. & 20. 12. & 21. 27. & 22. 19.

Mat. 10. 32. Luk. 12. 8.

6 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyo- uMoya emabandhlени. isa. 2. 7.

7 Na kuyo ingelosi yebandhla la se-Filadelfia loba ngokuti, U tyo o iugwele, o qinisile, o nesihlutulelo sika Davida, o vula, ku nga vali muntu; o vala, ku nga vuli muntu, u ti, Imis. 3. 14.

1 John. 5. 20. isa. 1. 5. & 6. 10. & 19. 11.

Isai. 22. 22. Luk. 1. 32. Mat. 6. 19.

Jobe 12. 14.

8 Ngi yazi imisebenzi yako; naku, ngi bekile pambi kwako umnyango ovuliweyo; ku nge ko umuntu o nga u valayo; ngokuba u namandhla a incozana, u li geinile izwi lami, a u li pikanga igama lami. 1 Kor. 16. 9. 2 Kor. 2. 12.

9 Bheka, ngi benza ba be abomhlangano ka Satani labo, aba tyo ukuti, ba ngabaJuda, be nge sibo, kodwa be ngabamanga; bheka ngi ya kubenza beze ba dumise pambi kwezinyawo zako, bazi ukuti ngi ku taudile.

isa. 2. 9. Isai. 49. 23. & 60. 14.

10 Ngokuba u li geinile izwi lami lokubekezela, ngo ku geina wena ngesikati sokulingwa, esi za kufika ezweni lonke, ba ze ba lingwe abakileyo emhlabeni.

2 Pet. 2. 9. Luk. 2. 1. Isai. 24. 17.

11 Ngi yeza masinyane; bambisisa loku o nako, ku ze ku nga bi ko o kwamuka umqele wako.

isa. 1. 3. & 2. 10, 25. & 22. 7, 12, 20.

12 O nqobayo ngi ya kumenza insika etempelini lika Tixo wami, a ka sa yi kupuma; ngi ya kuliloba pezu kwake igama lika Tixo wami, negama lomuzi ka Tixo wami, iJerusalem elitya, elehla ezulwini kuTixo wami, negama lam elitya. 1 Ama. 7. 21. Gal. 2. 9.

isa. 14. 1. & 22. 4. & 21. 2, 10. Gal. 4. 26.

13 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyo- uMoya emabandhlени. isa. 2. 7.

14 Na kuyo ingelosi yebandhla la se-Laodikia loba ngokuti, U tyo uAmeni uFakazi oqinisileyo o ishiniya, ukuqala kokudabuka kuka Tixo, u ti;

Isai. 65. 16. isa. 1. 5. & 19. 11. & 22. 6.

Kol. k 15.

15 Ngi yazi imisebenzi yako, ukuti, a u bandi, a u tyisi; kuhle ukuba u bande, nokuba u tyise.

16 Ngako, ngokuba u isivivi, u nga

bandi, u nga tyisi, ngo ku pumisa emlo- nyeni wami.

17 Ngokuba u tyo u ti, Ngi cebile, ngi fuyile, a ngi dingi luto; u ngazi ukuti, u ngohlupékayo, ohaukelwayo, onipofu, opuputekayo, ohambaze;

Hos. 12. 8. 1 Kor. 4. 8.

18 Ngi ku yala ukuba u tenge kimi igolide elihlanjululiweyo ngomlilo, u fuye; u tenge nezingubo ezimhlope, u gqoke, ku nga bonakali ihlazo lobuze bako; u tenge nomuti wokuunda amehlo ako, ukuba u bone.

Isai. 55. 1. Mat. 13. 44. & 25. 9.

2 Kor. 5. 3. isa. 16. 15.

19 Bonke engi ba tandayo ngi ba sola, ngi ba tyaya; ngako kutazela, u penduke. Amazwi 3. 11, 12.

20 Bheka, ngi se mi emnyango, ngi gqongqota; uma umuntu e zwa izwi lami, a vule emnyango, ngi ya kungena kuye, ngi dhle naye a dhle nami.

Isihl. 5. 2. Luk. 12. 37. John. 14. 23.

21 O nqobayo ngi ya kumnika ukuba a hlala nami esihlalweni sani sobukosi, njengami nga nqoba, ngeza nga hlala noBaba esihlalweni sake sobukosi.

Mat. 19. 28. 2 Tim. 2. 12. isa. 2. 26, 27.

22 O nendhlebe a kezwe loku a ku tyo- uMoya emabandhlени. isa. 2. 7.

#### ISAHLUKO 4.

**E**MVA kwa loko nga bona umnyango u vulekile ezulwini; izwi lokuqala, enga li zwayo li njengeletilougo li kuluma nami; la ti, Kupukela lapa, ngo ku bonisa oku za ku vela emva kwa loku.

isa. 1. 10, 12, 19. & 22. 6.

2 Nga ngi noMoya masinyane; bheka, kwa ku kona isihlalo sobukosi ezulwini, nowa hlala pezu kwaso.

isa. 1. 10. Isai. 6. 1. Dan. 7. 9.

3 Owa e hlala kona wa faua netye, ijasa nesardino ngokubukwa; utingo lwa lu haqa isihlalo sobukosi, lu njenge-tye, isimaragdo ngokubukwa.

Hez. 1. 28.

4 Kwa ku kona nga sesihlalweni sobukosi izihlalo ezimashumi amabili nane; na sezihlalweni amalunga amashumi amabili nane, e hlala embete izingubo ezimhlope; e nemiqele yegolide emakanda awo.

isa. 3. 4. & 6. 11. & 7. 9. & 11. 16. & 19. 14.

5 Kwa puma esihlalweni sobukosi unyazi, namazwi, nokuduma; kwa ku kona izibani ezine, zi vuta pambi kwe-

sihlalo sobukosi, ezi ngomoya aba isikombisa baka Tixo. isa. 8. 5. & 16. 18.

Eks. 37. 23. Hez. 1. 13. isa. 1. 4.

6 Ngapambi kwesihlalo sobukosi kwa ku kona ulwandhle olu njengesibuko, lu fana nekrustalo; ngapakati kwesihlalo sobukosi, na ngapandhle kwesihlalo sobukosi, za zi kona izidalwa ezizwayo ezine, zi gewele amehlo ngapambili na ngasemva.

Eks. 38. 8. isa. 15. 2. Hez. 1. 5.

7 Isidalwa sokuqala sa si fana nengonyama, isidalwa sesibili sa si fana netole, isidalwa sesitatu sa si nobuso obu fana nobomuntu, isidalwa sesine sa si fana nokozi olundizayo.

Hez. 1. 10. & 10. 14.

8 Izidalwa ezine za zi namapiko a isitupa ngazinye; ngapandhle na pakati zi gewele amehlo; a zi nakupumula emini na sebusuku, zi ti, Ingewe, ingewe, ingewele iNkosi uTixo uSomandhla, owa e kona, o kona, o za kuba kona. isa. 6. 2, 3. isa. 1. 4, 8.

9 Lapo izidalwa zi m tusa, zi m dumisa, zi m bonga yena o hlala esihlalweni sobukosi, yena o kona njalo ku ze ku be pakade; isa. 1. 18. & 5. 14. & 15. 7.

10 Amalunga amashumi amabili nane a kotama pambi kwake o hlala esihlalweni sobukosi, a m dumisa yena o pilayo ku ze ku be pakade, etula imiqele yabo pambi kwesihlalo sobukosi, e ti, isa. 5. 8, 14.

11 U fanele wena, Nkosi yetu noTixo wetu, ukwamkela ubukosi, nokutswa, namandhla; ngokuba uwenwa owa dabula izinto zonke; za ba kona, za datyulwa ngentando yako.

isa. 5. 12. & 10. 6. Gen. 1. 1.

### ISAHLUKO 5.

**N**owa e hlala esihlalweni sobukosi inewadi, i lotyiwe ngapakati na ngapandhle, i gcinwe ngezimpau ezi isikombisa. Hez. 2. 9, 10. Isai. 29. 11. Dan. 12. 4.

2 Nga bona ingelosi e namandhla, i memeza ngezwi elikulu, i ti, Ubani o fanele ukupenya inewadi, nokunamulula izimpau zayo na?

3 Kwa ku nge ko namunye ezulwini, na semhlabeni, na ngapansi komhlaba, owa e namandhla okupenya inewadi, nokuibheka.

4 Nga kala kakulu ngokuba e nga funyanwanga namunye o fanele ukupepenya inewadi nokuibheka.

5 Omunye kuwo amalunga wa ti kimi, U nga kali; bheka, iNgonyama yomndeneni ka Juda, iMpande ka Davida, yahlulile, ya penya inewadi, nezimpau ezi isikombisa zayo.

Gen. 49. 9, 10. Heb. 7. 14. Isai. 11. 10.

Rome 15. 12. isa. 6. 1. & 22. 16.

6 Ngapakati kwesihlalo sobukosi nezidalwa ezine, nga pakati kwamalunga, nga bona iUndhlu li mi, njengokungati li hlatsiwe, li nezimpondo ezi isikombisa, namehlo a isikombisa, a ngomoya aba isikombisa baka Tixo aba tunyelwe emhlabeni wonke. John. 1. 29.

Zek. 3. 9. & 4. 10. isa. 1. 4. & 13. 8.

7 Leza la tabata inewadi i sesandhleni sokunene sa lowo owa e hlala esihlalweni. isa. 4. 2.

8 Lapo se li tabatile inewadi, izidalwa ezine, namalunga amashumi amabili nane, a kotama pambi kweUndhlu, ilelo li nogubu, negaba legolide li gewele ipunga, eli ukukuleka kwabangwele.

isa. 4. 8, 10. & 8. 3, 4 & 14. 2. & 15. 2.

Izihl. 141. 2.

9 A hlabelela igama elitya, a ti, Wena u fanele ukutabata inewadi, nokunamulula izimpau zayo; ngokuba wa hlatsywa, wa si tenga ngegazi lako kuyo yonke imindeni, nezilimi, nabantu, nezizwe, si be abaka Tixo; Izihl. 40. 3.

isa. 4. 11. & 14. 3. Imis. 20. 28. 1 Kor. 6. 20.

isa. 7. 9. & 11. 9. & 14. 6.

10 Wa senza amakosi nabapristi baka Tixo wetu; si ya kubusa emhlabeni.

isa. 1. 6. & 20. 6.

11 Nga bona, ngezwa izwi lezingelosi eziningi za nge sesihlalweni, na sezidalweni, na semalungeni; ukuma kwazo kwa ku izinkulungwane ezi ishumi, nezinkulungwane zezinkulungwane, isa. 4. 4, 6.

Izihl. 68. 17. Dan. 7. 10

12 Zi ti, ngezwi elikulu, Li fanele iUndhlu elihlatyiweyo ukwamkelu amandhla, nomeebo, nokuhlakanipa, nobuqawe, nodumo, nobukosi, nokubongwa. isa. 4. 11.

13 Izinto zonke ezidatyuliweyo ezi sezulwini, nezi semhlabeni nezi ngapansi komhlaba, nezi selwandhle, zonke ezi kona kuko, nga zi zwa zi ti, Ukubongwa, nodumo, nobukosi, namandhla, a ku be kuye o hlala esihlalweni, na kulo iUndhlu, ku ze ku be pakade.

Fil. 2. 10. 1 Kron. 29. 11. isa. 1. 6.

& 6. 16. & 7. 10.

14 Izidalwa ezine za ti, Amen. Ama-

lunga amashumi amane nane a kotama, a m dumisa yena ohlalayo ku ze ku be pakade. isa. 4. 9, 10.

## ISAHLUKO 6.

**N**GA bona lapo iUndhlu la namulula nolunye upau kuzo ezi isikombisa, nga si zwa esinye isidalwa kuzo ezine si ti, kungati ngezwi lokuduma, Woza.

isa. 4. 7. & 5. 7.

2 Nga li bona ihashi elimhlope, naye o kwele pezu kwalo e pete umcibityelo; wa piwa umqele wa puma e nqoba nokuba a nqobe. Zek. 6. 3, 11. Izihl. 45. 4, 5. isa. 14. 14. & 19. 11.

3 Nalapo wa namulula upau lwesibili ngezwa isidalwa sesibili si ti, Woza.

isa. 4. 7.

4 Kwa puma elinye, elibomvu; o kwele pezu kwalo wa piwa ukususa ukutula emhlabeni, baze ba bulalane; wa piwa inkemba enkulu. Zek. 6. 2.

5 Na lapo wa namulula upau lwesitatu, ngezwa isidalwa sesitatu si ti, Woza. Nga li bona ihashi elimnyama, naye o kwele pezu kwalo e pete isilinganiso esandhlени sake. isa. 4. 7. Zek. 6. 2.

6 Ngezwa izwi pakati kwezidalwa ezine, li ti Ikwarti lika kolweni ngedenari; amakwarti amatatu ebarle ngedenari; u ngoni amafuta newaini. isa. 9. 4.

7 Na lapo wa namulula upau lwesine, ngezwa izwi lesidalwa sesine, si ti, Woza. isa. 4. 7.

8 Nga bona ihashi eliluhlaza, naye o kwele pezu kwalo, igama lake la li uKufa; ihaidese la hamba naye. Ba piwa amandhla pezu kokwesine komhlaba, okuba ba bulale ngenkemba, na ngendhlala, na ngokufa, na ngezilo zomhlaba.

9 Na lapo wa namulula upau lwesihlanu, nga bona pansi kwelati abantu aba be bulelwe ngezwi lika Tixo, na ngokuqinisa kwabo. isa. 1. 9. & 14. 18. & 19. 10. & 20. 4.

10 Ba memeza ngezwi elikulu ba ti, Ko za ku be nini, Nkosi engewele neqiniseleyo, u nga ba lahli u si pindisele igazi letu kwaba hleziyo emhlabeni na? isa. 3. 7. & 11. 18. & 19. 2.

11 Ba piwa bonke izingubo ezimhlope; kwa tyiwo kubo ukuti, ba za kupumula isikatyana, ba ze ba pelele abakonzayo nabo, nabazalwane babo aba za kubulawa njengabo. isa. 3. 4, 5. & 7. 9, 14. & 14. 13. Heb. 11. 40.

12 Nga bona lapo wa namulula upau

lwesitupa, kwa ku kona ukuzamazama komhlaba okukulu; ilanga la ba nnyama njengendwangu yoboya; inyanga ya ba njengegazi; isa. 16. 18. Joeli 2. 31.

Mat. 24. 29.

13 Izinkanyezi zezulu za wa emhlabeni, njengomkiwane u vutulula izinhlamvu zawo ezi nga vutiwe, u zanyazanyiswa umoya omkulu; isa. 8. 10. & 9. 1.

14 Izulu la muka njengenewadi esongiweyo; izintaba zonke, neziqingi zonke za suswa ezindaweni zazo.

Izihl. 102. 26. Isai. 34. 4. Jer. 4. 24.

isa. 16. 20.

15 Amakosi omhlaba, nezikulu, nezinduna, nabacebileyo naba namandhla, neziqili zonke, nabakululekileyo bonke ba zifihla empandwini, na sematyeni a sezintabeni; Isai. 2. 19.

16 Ba ti ezintabeni na sematyeni, Yiwani pezu kwetu, ni si fihle ebusweni ba lowo o hlala esihlalweni, na solakeni lweUndhlu; Hos. 10. 8. Luk. 23. 30.

isa. 9. 6.

17 Ngokuba usuku olukulu lolaka lwake se lu fikile; ubani o namandhla okuma na? Isai 13. 6. Zef. 1. 14.

isa. 16. 14. Izihl. 76. 7.

## ISAHLUKO 7.

**E**MVA kwa loko nga bona izingelosi ezine zi mi emagumbini amane omhlaba, zi bamba imimoya emine yomhlaba, ukuba umoya u nga pepeti emhlabeni, na selwandhle na kunyane umuti. Dan. 7. 2. isa. 9. 4.

2 Nga bona enye ingelosi i kupuka nga sempumalanga, i nopau luka Tixo opilayo; ya memeza ngezwi elikulu ezingelosini ezine, eza piwa ukona umhlaba nolwandhle,

3 Ya ti, Ni ngoni umhlaba nolwandhle, nemiti, si ze si beke upau pezu kwezinceku zika Tixo wetu emabunzini azo. isa. 6. 6. & 9. 4. & 14. 1. & 22. 4.

Hez. 9. 4.

4 Ngezwa ukuma kwaba bekwa upau; aba zinkulungwane ezi ikulu amazumi amane nane ba bekwa upau ezizweni zonke zabantwana baka Israeli.

isa. 9. 16. & 14. 1.

5 Esizweni sika Juda ba bekwa upau aba zinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Rubeni ba bekwa upau aba zinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Gadi ba bekwa upau aba zinkulungwane ezi ishumi nambili.

6 Esizweni sika Asheri ba bekwa

upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Naftalemi ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Manasa ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

7 Esizweni sika Simeoni ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Levi ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Isakari ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

8 Esizweni sika Zebulona ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Josefa ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. Esizweni sika Benjamini ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

9 Emva kwa loko, nga li bona iningi elikulu eli nge nakubalwa muntu, lezizwe zonke nelemindeni, nelabantu, nelezilimi, li mi pambi kwesihlalo sobukosi, na pambi kweUndhlu, lembete okumhlope, li pete amagatya esundu, Rome 11. 25. isa. 5. 9. isa. 3. 5, 18. & 4. 4. & 6. 11.

10 La memeza ngezwi elikulu, li ti, Ukwahlula a ku be kuTixo e hlala esihlalweni, na kulo iUndhlu,

Izihl. 3. 8. isa. 5. 13. & 19. 1.

11 Izingelosi zonke zema zi haqa esihlalo, namalunga, nezidalwa ezine, za kotama ngobuso pambi kwesihlalo sobukosi, za m dumisa uTixo,

isa. 4. 6.

12 Za ti, Amenii; Ubusiso, nobukosi, nokuhlakanipa, nokubongwa, nodumo, namandhla, nokwahlula, a ku be kuTixo wetu ku ze ku be pakade. Amenii.

isa. 5. 13, 14.

13 La pendula elinye ilunga, la ti kimi, Laba abembete okumhlope ba ngobani na? ba velapi na?

14 Nga ti kulo, Nkosi yami, U yazi wena, La ti kimi, Laba ibona aba puma ekuhlupekeni okukulu, ba hlauza izingubo zabo, ba zenza zi be mhlope ngezazi leUndhlu. isa. 6. 9. & 17. 6. Isai. 1. 18.

Heb. 9. 14. 1 John. 1. 7. isa. 1. 5.

Zek. 3. 3-5.

15 Ngaloku ba kona pambi kwesihlalo sobukosi sika Tixo, ba m konza emiui nobusuku etempelini lake; yena o hlala esihlalweni sobukosi u ya kuhlala pakati kwabo.

Isai. 4. 5, 6. isa. 21. 3.

16 A ba sa yi kulamba, a ba sa yi

koma; a ba yi kwehlelwa ilanga noku-balela. Isai. 49. 10. Izihl. 121. 6. isa. 21. 4.

17 Ngokuba iUndhlu eli nga pakati kwesihlalo sobukosi li ya kubalusa, li ba yiye emitonjeni yamanzi okupila; uTixo u ya kwesila izinyembezi zonke amehlweni abo.

Izihl. 23. 1. & 36. 8.

John. 10. 11, 14. Isai. 25. 8. isa. 21. 4.

## ISAHLUKO 8.

**N**A lapo wa namulula upau lwesiko-  
mbisa, kwa ti du ezulwini kungati inxenye yehora.

isa. 6. 1.

2 Nga bona izingelosi ezi isikombisa, ezi mi pambi kuka Tixo; za piwa amatilongo a isikombisa.

Mat. 18. 10.

2 Kron. 29. 25-28.

3 Nenye ingelosi yeza yena nga selatini, a nesitya sempepo segolide; ya piwa impepo eningi, ukuba i i nikele kanye nemikuleko yabangewele bonke pezu kwelati legolide eli ngapambi kwesihlalo sobukosi. isa. 5. 8. & 6. 9. Eks. 30. 1.

4 Kwa ti umusi wempepo wa kupuka wa ya kanye nemikuleko yabangewele pambi kuka Tixo, u vela esandhlени sengelosi.

Izihl. 141. 2. Luk. 1. 10.

5 Ingelosi ya tabata isitya sempepo, ya si gewalisa ngomlilo wa selatini, ya si ponsa emhlabeni; kwa kona amazwi, nezindumo, nonyazi nokuzamazama komhlaba.

isa. 16. 18. 1 Ama. 19. 11.

Imis. 4. 31.

6 Izingelosi ezi isikombisa eza zi namatilongo a isikombisa za zi lungisa ukuba zi bete.

7 Ingelosi yokuqala ya beta, kwa ba kona isicoto, nomlilo, u hlanganisiwe negazi kwa ponsa emhlabeni; kwa tyiswa okwesitatu kwemiti, notyani obuhlaza bonke ba tyiswa.

Hez. 38. 22.

Isai. 2. 13. isa. 9. 4. & 16. 2.

8 Ingelosi yesibili ya beta, kwa ku pouswa pakati kolwandhle kungati intaba enkulu i vuta umlilo; okwesitatu kolwandhle kwa ba igazi;

Jer. 51. 25. Amosi 7. 4. isa. 16. 3. Hez. 14. 19.

9 Kwa fa okwesitatu kokudatyulwa okuzwayo okwa ku selwandhle; nokwesitatu kwemikumbi kwa bujiswa.

isa. 16. 3.

10 Ingelosi yesitatu ya beta, kwa wa ezulwini inkanyezi enkulu, i vuta nje-ngesibani; ya wa pezu kwesitatu kwemifula, na pezu kwemitombo yamanzi;

Isai. 14. 12. isa. 9. 1. & 16. 4.

11 Igama la lenkanyezi li tiwa u-Mhlonyan; okwesitatu kwamauzi kwa



umhlonyane; abanangi ba fa ngamanzi, ngokuba enziwa a baba. Rute 1. 20.

Eks. 15. 23. Jer. 9. 15. & 23. 15.

12 Ingelosi yesine ya beta, kwa tyawa okwesitatu kwelanga, nokwesitatu kwenyanga, nokwesitatu kwezinkanyezi; kwa ti okwesitatu kwazo kwa fipazwa, imini i nga kanyi okwesitatu kwawo, kwa ba njalo nobusuku, Isai. 13. 10.

Amosi 8. 9.

13 Nga bona, ngezwa ukozi lu ndiza ezulwini ngapakati, lu ti ngezwi elikulu, Nako, nako, nako kwabakileyo emhlabeni ngawo amanye amazwi etilongo lezingelosi ezintatu ezi se za kubeta.

isa. 9. 12. & 11. 14. & 14. 6. & 19. 17.

### ISAHLUKO 9.

**I**NGELOS I yesihlanu ya beta, nga bona inkanyezi i wile ezulwini i ze emhlabeni; ya piwa isihlutululo somgodi o nge namkaulo.

Luk. 8. 1, 31.

isa. 8. 10. & 10. 18. & 17. 8. & 20. 1.

2 Ya vula umgodi o nge namkaulo; kwenyuka umusi emgodini njengomusi weziko elikulu; kwa fipazwa ilanga nomkati wezulu ngomusi womgodi.

Joeli 2. 2, 10.

3 Kwa puma izinkumbi emusini zeza emhlabeni; za piwa amandhla njengofezela bomhlaba be namandhla.

Eks. 10 4. Abahl. 7. 12.

4 Kwa tyiwo kuzo ukuba zi ngoni utyani bomhlaba, nanye into eluhlaza, namuti; kupela abantu aba nge nalo upau luka Tixo emabunzini abo.

isa. 6. 6. & 7. 3. & 8. 7. Eks. 12. 23. Hez. 9. 4.

5 Za piwa ukuba zi nga ba bulali, kodwa ukuba ba hlutywe izinyanga ezi isihlanu; ukubhlutywa kwabo kwa ku njengokuhlutywa ufezela, uma e tinyela umuntu.

isa. 11. 7.

6 Nga leyomihla abantu ba ya kufuna ukufa, kepa a ba yi kukufumana; ba ya kufisa ukufa, kepa ukufa ku za kubabalekela.

Jobe 3. 21. Isai. 2. 19. Jer. 8. 3.

isa. 6. 16.

7 Ukuma kwezinkumbi kwa ku njengamahashi a lungiselwe ukulwa; kwa ku kona emakanda azo kungati imiqele yegolide, ubuso bazo ba bu njengobuso babantu.

Joeli 2. 4. Nah. 3. 17. Dan. 7. 8.

8 Za zi nezinwele njengezinwele za besifazana, amazinyo azo a e njengawezingonyama.

Joeli 1. 6.

9 Za zi namakurasi njengamakurasi ensimbi; umisindo wamapiko azo wa u

njengomsindo wezinqola zamahashi amaningi a gijimela ekulweni.

Joeli 2. 5.

10 Za zi nemisila njengofezela, za zi kona izindosi emisileni yazo; amandhla azo a be ukona abantu izinyanga ezi isihlanu.

11 Zi nenkosi pezu kwazo, ingelosi yomgodi o nge namkaulo, igama layo ngokwamaHeberu la li nguAbadoni, kepa ngokwamaGrekhi la li nguApolioni.

Ef. 2. 2.

12 Usizi olunye lu dhlulile; se zi za kuza izinsizi ezimbili ngasemva kwaloku.

isa. 8. 13.

13 Ingelosi yesitupa ya beta; ngezwa izwi li vela ezimpondweni ezine zelati legolide eli pambi kuka Tixo,

14 Li ti kuyo ingelosi yesitupa e netilongo, Tukulula izingelosi ezine ezi botyiwe emfuleni omkulu iUfrate.

isa. 16. 12.

15 Izingelosi ezine za tukululwa, eza zi lungiselwe ihora, nosuku, nenyanga, nomnyaka, ukuba zi bulale okwesitatu kwabantu.

16 Iningi lempi yabamahashi la li ngaba izinkulungwane ezimakulu amabili zezinkulungwane; ngezwa iningi labo.

Izihl. 68. 17. Hez. 38. 4. isa. 7. 4.

17 Njalo nga bona anahashi ekuboniseni kwami, nabo aba kwele kuwo, be namakurasi omililo nawejakinto nawesolufa; amakanda amahashi a e njengamakanda ezingonyama; kwa puma emilonyeni yawo umlilo, nomusi, nesolufa.

1 Kron. 12. 8. Isai. 5. 23, 29.

18 Kwa bulawa okwesitatu kwabantu ngalezizinsizi ezintatu, ngomlilo, na ngomusi, na ngesolufa, okwa puma emilonyeni yawo.

19 Ngokuba amandhla awo a semilonyeni yawo, na semisileni yawo; ngokuba imisila yawo ya i njengeziyoka, i namakanda, ona ngawo.

Isai. 9. 15.

20 Abanye abantu aba nga bulalwanga nga lezizinsizi, a ba pendukanga emisebenzini yezandhla zabo, ukuba ba nga dumisi amademone, nezitombe zegolide nezesisiliva, nezetusi, nezamatye, nezemiti, ezi nge nakubona, nakuzwa, nakuhamba;

Dut. 31. 29. Izihl. 106. 37.

& 115. 4. & 135. 15. Dan. 5. 23.

21 A ba pendukanga kuko ukubulala kwabo, nokutakata kwabo, nobufebe babo, nokweba kwabo.

isa. 22. 15.

## ISAHLUKO 10.

**N**GA bona enye ingelosi e namandhla yehla ezulwini, yembete ifu; uringo lu pezu kwekanda layo ubuso bayo ba bu njengelanga, iziuyawo zayo za zi nje-ngezinsika zomlilo. Hez. 1. 28.

Mat. 17. 2. isa. 1. 15, 16.

2 Ya i pete esandhleni sayo incwadi e penyiweyo; ya beka unyawo lwayo lokunene pezu kolwandhle, nolokohlo ya lu beka pezu komhlabati, Mat. 28. 18.

3 Ya memeza ngezwi elikulu, njengokukala kwengonyama; lapo ya memeza, izindumo ezi isikombisa za shumayela. isa. 8. 5.

4 Lapo izindumo ezi isikombisa za shumayela, nga be se ngi za kuloba; ngezwa izwi li vela ezulwini li ti kimi, Namatelisa okushunyayelwa izindumo ezi isikombisa, u nga ku lobi. Dan. 12. 4.

5 Ingelosi engi i bonayo i mi pezu kolwandhle na pezu komhlabati, ya pakamisela nga sezulwini isandhla sokunene sayo, Eks. 6. 8. Dan. 12. 7.

6 Ya m funga yena opilayo ku ze ku be pakade, owa dala izulu na loku oku kulo, nomhlaba na loku oku kuwo nolwandhle na loku oku kulo, ya ti, A ku sa yi kubako isikati; Neh. 9. 6. isa. 4. 11. & 16. 17.

7 Kepa ngezinsuku zezwi lengelosi yesikombisa, lapo i be za kubeta, imfihlakalo ka Tixo i za kufezwa, njengaloko wa zi tyela izineeku zake abaprofeti. isa. 11. 15.

8 Izwi engi li zwayo li vela ezulwini, la buya la kuluma nami, la ti, Hamba, u tabate inewadi epenyiweyo e sesandhleni sengelosi emiyo pezu kolwandhle na pezu komhlabati.

9 Nga ya kuyo ingelosi, nga ti kuyo, Ngi pe inewadi. Ya ti kimi, I tabate, u i dhle i za kubaba esiswini sako, kodwa emlonweni wako i za kuba mnandi, njengezinyosi. Jer. 15. 16. Hez. 2. 8. & 3. 1-3.

10 Nga i tabata inewadi esandhleni sengelosi nga i dhla; ya i mnandi emlonweni wami njengezinyosi; kepa lapo se ngi i dhle ya baba esiswini sami.

11 Ya ti kimi, Nga u buya u profete ngabantu, nezizwe, nezilimi, namakosi amaningi.

## ISAHLUKO 11.

**N**GA nikwa uhlanga lu njengentonga; ingelosi yema, ya ti, Suka u linganise itempeli lika Tixo, nelati, nabadumisayo kulo. Hez. 40. 3. Zek. 2. 1. isa. 21. 15.

2 Kodwa isihonga esi ngapandhle kwetempeli, si shiye ngapandhle, u nga si linganisi; ngokuba si piwe izizwe; umuzi ongewele zi ya kunyatela izinya-nga ezimashumi amane nambili.

Hez. 40. 17, 20. Izihl. 79. 1. Luk. 21. 24. isa. 13. 5.

3 Ngi ya kubanika ofakazi ababili bam amandhla; ba ya kuprofeta izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi a isitupa, bembete indwangu yamasaka. isa. 12. 6. & 19. 20. & 20. 4.

4 Laba ba imihlwati emibili, nezinti zezibani ezibili, ezimiyo pambi kwe-Nkosi yomhlaba. Izihl. 52. 8.

Zek. 4. 3, 11, 14.

5 Uma umuntu e tanda ukona bona, umlilo u ya kupuma emlonweni wabo, u tyise izita zabo, noma umuntu e tanda ukubona, nga e bulawa kanjalo.

2 Ama. 1. 10, 12. Jer. 5. 14.

6 Laba ba namandhla ukuvala izulu, ukuba li nga ni ngezinsuku zokuprofeta kwabo; ba namandhla pezu kwamanzi okuba ba wa pendule igazi; ba namandhla okutyaya umhlaba ngezinhlupe zonke, nxa be tandayo. 1 Ama. 17. 1.

Jak. 5. 17. Eks. 7. 19.

7 Lapo se be qedile ukuqinisa kwabo, isilo esi kupuka emgodini o nge namkaulo, si ya kulwa nabo, si ba nqobe, si ba bulale. isa. 9. 2. & 13. 1. & 17. 8.

Dan. 7. 21.

8 Izidumbu zabo zi ya kulala endhleni yomuzi omkulu, o tiwa ngokoMoya iSodoma nEgipite, lapo iNkosi yetu ya betelwa kona. isa. 14. 8. Heb. 13. 12.

9 Ku ya kuti aba kubantu na bemi-ndeni na bezilimi, na bezizwe, ba bone izidumbu zabo izinsuku ezintatu nenxenye, be nga vumi izidumbu zabo zi fakwe ematuneni. Izihl. 79. 2. 3.

10 Abakileyo emhlabeni ba ya kujabula pezu kwabo, betabe, babelane, ngokuba labobaprofeti ababili ba hlupa abakileyo emhlabeni. isa. 12. 12. Eset. 9. 19.

11 Enwa kwezinsuku ezintatu nenxenye, uMoya wokupila e vela kuTixo wa ngena pakati kwabo, besuka bema ngezinyawo zabo; behlelwa ukwesaba okukulu aba ba bonayo. Hez. 37. 5, 9, 10, 14.

12 Bezwa izwi elikulu li vela ezulwini, la ti kubo, Kupukani ni ze lapa. Ba kupuka ba ya ezulwini ngefu, izita zabo za ba bona. isa. 12. 5. Imis. 1. 9.

2 Ama. 2. 1, 5, 7.

13 Kwa ku kona nga lesosikati ukuza-mazama okukulu komhlaba, kwa wa

okweshumi komuzi; kwa bulawa ngokuzamazama komhlaba abantu aba inkulungwane ezi isikombisa; abaseleyo besaba, ba m dumisa uTixo wezulu.

isa. 3. 4. & 6. 12. & 16. 19. Josh. 7. 19.

isa. 14. 7. & 15. 4.

14 Usizi lwesibili lu dhlulile; bheka, usizi lwesitatu lu za kufika masinyane.

isa. 8. 13. & 9. 12. & 15. 1.

15 Ingelosi yesikombisa ya beta; kwa ku kona amazwi amakulu ezulwini, a ti, Umbuso wezwe u ngoweNkosi yetu noka Kristu wayo; i ya kubusa ku ze ku be pakade.

Isai. 27. 13. isa. 12. 10. & 16. 17. & 19. 6. Dan. 2. 44. & 7. 14, 18, 27.

16 Amalunga amashumi amabili nane a e hlala pambi kuka Tixo ezihlalweni zawo, a kotama ngobuso bawo, a m dumisa uTixo,

isa. 4. 4.

17 A ti, Si ya ku bonga, Nkosi Tixo Somandhla, o kona, o be kona; ngokuba u tabatile amandhla ako amakulu, u busile.

isa. 1. 4. & 4. 8. & 16. 5. & 19. 6.

18 Izizwe za zi tukutele, ulaka lwako lu fikile, nesikati sabafileyo, sokuba bahlulelwe nokuba u zi nike izineeku zako umvuzo, abaprofeti, nabaugewele nabesabayo igama lako, nabaneane nabakulu, nokuba u ba cite aba li citayo izwe.

Dan. 7. 10.

isa. 6. 10. & 13. 10. & 18. 6. & 19. 5.

19 Kwa vulwa itempeli lika Tixo ezulwini, wa bonwa umpongolo wesivumelwano sake etempelini lake; kwa ku kona unyazi, namazwi, nokuduma, nokuzamazama komhlaba, nesicoto esikulu.

isa. 8. 5. & 15. 5. & 16. 18, 21.

## ISAHLUKO 12.

**K**WA bonakala ezulwini umboniso omkulu; umfazi embete ilanga, inyanga i pansi kwezinyawo zake, umqele wezinkanyezi ezi ishumi namibili u sekanda lake;

2 E kulelwe, wa kala, e beleta, wa katazeka ukuzala.

Isai. 66. 7. Gal. 4. 19.

3 Kwa bonakala omunye umboniso ezulwini; bheka, udrako omkulu obomvno, e namakanda a isikombisa, nezimpondo ezi ishumi, i semakanda ake imiqele e isikombisa.

isa. 13. 1. & 17. 3, 9, 10

4 Umsila wake wa dons a okwesitatu kwezinkanyezi zezulu, wa zi ponsa emhlabeni; udrako wema pambi komfazi o be za kuzala, ukuba, se e zele, a dhle umntwana wake.

isa. 9. 10, 19.

& 17, 18. Dan. 8. 10. Eks. 1. 16.

5 Wa zala umfana, o be za kubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi; kwa ti umntwana wake wa hlwelwa kuTixo, na sesihlalweni sake sobukosi.

Izihl. 2. 9. isa. 2. 27. & 19. 15.

6 Umfazi wa baleka wa ya ehlane, lapo e nendawo e lungiselwe uTixo, ukuba ba m ondhle kona izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi a isitupa.

isa. 11. 3.

7 Kwa ku kona ukulwa ezulwini; uMikaeli nezingelosi zake za lwa nodrako; udrako nezingelosi zake za lwa,

Dan. 10. 18, 21. & 12. 1. isa. 20. 2.

8 A zahlulanga, nendawo yazo a ya be i sa funyaniswa ezulwini.

9 Wa kitywa udrako omkulu, inyoka endala, oku tiwa uDiaboli, uSatani, owedusa izwe lonke; wa lahlelwa emhlabeni, nezingelosi zake za lahlwa kanye naye.

Luk. 10. 18.

John. 12. 31. Gen. 3. 1, 4. isa. 9. 1. & 20. 2, 3.

10 Ngezwa izwi elikulu ezulwini, li ti, Kaloku se ku fikile ukusindiswa, namandhla, nombuso ka Tixo wetu, nobukosi buka Kristu wake; ngokuba umhlebi wabazalwane betu se u lahliwe, yena owa ba cebayo pambi kuka Tixo wetu imini nobusuku.

isa. 11. 15. & 19. 1.

Jobe 1. 9. & 2. 5. Zek. 3. 1.

11 Ba m nqobile ngegazi leUndhlu, na ngezwi lokuqinisa kwabo; ba be nga tandi ukupila kwabo ku ze ku be sekufeni.

Rome 8. 33, 34. & 16. 20. Luk. 14. 26.

12 Ngaloku jabulani, zulu nabo aba hlala kulo. Nako kinana, mhlaba nolwandhle! ngokuba uSatani ehlele kini, e nolaka olukulu, azi ukuti u nesikati esincane.

Izihl. 96. 11. Isai. 49. 13. isa. 8. 13. & 10. 6. & 18. 20.

13 Lapo udrako wa bona ukuti wa lahlelwa emhlabeni, wa m hlupa umfazi owa m zala owesilisa.

14 Umfazi wa piwa amapiko amabili okozi olukulu, ukuba a ndizele ehlane, endaweni yake, lapa ondhliwa kona isikati, nezikati, nenxenye yesikati, a nga biko ebusweni benyoka.

Eks. 17. 4. isa. 17. 3. Dan. 7. 25. & 12. 7.

15 Inyoka ya pumisa emlonyeni wayo amanzi njengomfula emva komfazi, ukuba i m mukise ngomfula.

Isai. 59. 19.

16 Umhlaba wa m siza umfazi; umhlaba wa vula umlomo wawo, wa minza umfula udrako a u pumisayo emlonyeni wake.

17 Udrako wa tukutela nomfazi, wemuka wa ya ukulwa nabaseleyo benzalo yake, aba londa imiyalo ka Tixo, be nokuqinisa kuka Jesu Kristu.

Gen. 3. 15. isa. 11. 7. & 14. 12. & 20. 4.

1 John. 5. 10.

ISAHLUKO 13.

**N**GA se ngi ma esihlabatini solwandle; nga bona isilo senyuka elwandle, si nezimpondo ezi ishumi, namakanda a isikombisa; i sezimpondweni zaso imiqele e ishumi, e semakanda aso amagama enhlamba.

Dan. 7. 2, 7. isa. 12. 3 & 17. 3.

2 Isilo e nga si bonayo sa fana nengwe, izinyawo zaso za zi njengezeako, umlomo waso wa u njengomlomo wengonyama; udrako wa si nika amandhla ake, nesihlalo sake, namandhla amakulu.

Dan. 7. 4-6. isa. 12. 4, 9. & 16. 10.

3 Nga li bona ikanda laso la linye, kungati li bulwele li file; kepa inxeba laso lokufa la poliswa; izwe lonke la qolozela emva kwesilo.

isa. 13. 12, 14. & 17. 8.

4 Ba dumisa udrako loku wa nika isilo amandhla; ba dumisa nesilo, ba ti, Ubani o fana nesilo? ubani o namandhla okulwa naso na?

isa. 18. 18.

5 Sa piwa umlomo u shumayela okukulu, nenhlamba; sa piwa amandhla okuba enze izinyanga ezimashumi amane nambili.

Dan. 7. 8, 11, 25. & 11. 36. isa. 11. 2. & 12. 6.

6 Sa vula umlomo waso ukutuka uTixo, ukuba si tuke igama lake, notente wake, nabo aba hlala ezulwini.

John. 1. 14. Kol. 2. 9.

7 Sa piwa ukulwa nabangewele, nokubangoba; sa piwa amandhla pezu kwambideni younke, nabantu, nezilimi nezizwe.

Dan. 7. 21. isa. 11. 7, 18. & 12. 17. & 17. 15.

8 Ba ya kusidumisa bonke aba hlala emhlabeni, aba magama abo a nga lotyiwe enewadini yokupila yeUndhlu elihlatyiweyo iloku kwa dabuka umhlaba.

Eks. 32. 32. Dan. 12. 1. isa. 3. 5. & 17. 8.

9 Uma umuntu e nendhlebe a kezwe.

isa. 2. 7.

10 Uma umuntu e tumba abantu, u ya kutunjwa; unia umuntu e bulala ngenkemba; nika e bulawa ngenkemba naye, Naku ukubekezela nokweteniba kwabangewele.

Isai. 33. 1. Gen. 9. 6.

Mat. 26. 52. isa. 14. 12.

11 Nga bona esinye isilo si kupuka

emhlabeni; sa si nezimpondo ezimbili njengeundhlu, sa kuluma njengodrako.

isa. 11. 7.

12 Si nawo amandhla onke esilo sokuqala ebusweni baso, senza izwe, naba hlala kulo ukuba ba dumise isilo sokuqala, esinxeba laso lokufa la poliswa,

13 Senza iziboniso ezikulu, senza ku suke umlilo ezulwini wehlele emhlabeni ebusweni babantu;

Mat. 24. 24.

14 Si bedusa abahlala emhlabeni ngeziboniso, esa piwa ukuzenza pambi kwesilo, si ti kwaba hlala emhlabeni ma ba wenze umfanekiso wesilo, esi be nenxeba, sa buya sa pila.

isa. 12. 9. & 19. 20.

2 Tes. 2. 9, 10. 2 Ama. 20. 7.

15 Sa piwa amandhla okunika umfanekiso wesilo umoya, ukuba umfanekiso wesilo u kulume, wenze ukuba ba bulawe bonke aba nga kuleki kuwo umfanekiso wesilo.

isa. 16. 2. & 19. 20. & 20. 4.

16 Senza ukuba bonke, abancane nabakulu, nabacebileyo nabanpofu, nabakululekileyo, nabakonzayo, ukuba si ba nike upau esandhleni sokunene sabo; nokuba emabunzini abo;

isa. 14. 9.

17 Nokuba a nga bi namandhla namunye muntu ukutenga nokutengisa, kupela ilowo o nopau, nokuba igama lesilo, nokuba isibalo segama laso.

isa. 14. 11. & 15. 2.

18 Naku kuqonda. Yena o nokwazi a ka lande isibalo sesilo; ngokuba si isibalo somuntu; isibalo saso si ngamakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa.

isa. 15. 2. & 17. 9. & 21. 17.

ISAHLUKO 14.

**N**GA bona iUndhlu li mi entabeni iZioni, be kulo aba iziukutungwane ezi ikulu namashumi amane nane, be negama lake negama lika Yise li lotyiwe emabunzini abo.

isa. 5. 6. & 7. 3. & 13. 16.

2 Ngezwa izwi li vela ezulwini, li njengezwi lamanzi amaningi, na njengezwi lokuduma okukulu; izwi e nga li zwayo la li njengelababetayo ogujini, be beta izingubu zabo.

isa. 1. 15. & 5. 8. & 19. 6.

3 Ba hlabelela kwangati igama elitya pambi kwesihlalo sobukosi, na pambi kwezidalwa ezine namalunga; kepa a ku bangako o namandhla okufunda lelogama kupela aba izinkulungwane ezi ikulu namashumi amane nane, abahlalweyo ba semhlabeni.

isa. 5. 9. & 15. 3.

4 Ibona aba nga ngocoliswanga ngabesifazana, ngokuba ba be mhlope; ibona aba landelayo iUndhlu lapa li ya kona; ibona aba hlalelwe ebantwini, ulibo luka Tixo nolweUndhlu. 2 Kor. 11. 2.

isa. 3. 4. & 7. 17. & 17. 14. Jak. 1. 18.

5 A ku funyaniswanga inkohliso emlonyeni wabo; ngokuba ba be nge nacala.

Izihl. 32. 2. Zef. 3. 13. Jude 24.

6 Nga bona enye ingelosi i ndiza ezulwini ngapakati, i nevangeli elipakade, ukuba i shumayeke kwabakileyo emhlabeni, na kuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi, nabantu, isa. 8. 13. Ef. 3. 9-11.

Titisi 1. 2.

7 Ya ti ngezwi elikulu, M esabeni uTixo, ni m bonge; ngokuba isikati sokwahlula kwake si fikile; ni m dumise yena owenza izulu, nomhlaba, nolwandhle, nemitombo yamanzi.

isa. 11. 18. Neh. 9. 6. Imis. 14. 15.

8 Nenye ingelosi, eyesibili, ya landela, ya ti, Li wile, li wile iBabulona elikulu, ela puzisa izizwe zonke iwaini lolaka lokuhlobonga kwalo. Isa. 21. 9.

Jer. 51. 8. isa. 11. 8. & 16. 19. & 17. 5.

& 18. 2, 3, 10, 18, 21.

9 Nenye ingelosi; eyesitatu ya zi landela, ya ti ngezwi elikulu, Uma umuntu e dumisa isilo, nomfanekiso waso, ankele upau ebunzini lake, noma esandhleni sake, isa. 13. 14, 15, 16.

10 Yena u ya kulipuza iwaini lolaka luka Tixo, eliteliweyo i nga xubaniswa esityeni sentukutelo yake; u ya kuhlutywa ngomlilo na ngesolufa pambi kwezingelosi eziugewe, na pambi kweUndhlu; Izihl. 75. 8. Isa. 51. 17.

Jer. 25. 15. & 18. 6. isa. 16. 19. & 19. 20. & 20. 10.

11 Umusi wokuhlutywa kwabo u za kwenyuka ku ze ku be pakade; a ba nakupumtla imini nobusuku abadumisa yo isilo, nowankelayo upau lwegama lake. Isa. 34. 10. isa. 19. 3.

12 Naku kubekezela kwabangewe, abageinayo iniyalo ka Tixo, nokukolwa kuka Jesu.

isa. 3. 10. & 12. 17.

13 Ngezwa izwi li vela ezulwini, la ti kimi, Loba ukuti, Ba busisiwe abafileyo aba fele eNkosiini, na kaloku; Yebo, u tyo uMoya, ukuba ba pumule ekukutaleni kwabo; imisebenzi yabo i ba landela. Ums. 4. 1, 2. isa. 20. 6.

1 Kor. 15. 18. 1 Tes. 4. 16. isa. 6. 11.

14 Nga bona ifu elimhlope; nowa e hlala pezu kwalo o fana neNdodana yo-

mntu, e nomqele wegolide ekanda lake, nesikela elibukali esandhleni sake.

Hez. 1. 26. Dan. 7. 13. isa. 1. 13. & 6. 2.

15 Nenye ingelosi ya puma etempelini, i memeza ngezwi elikulu kuye owa e hlala pezu kwefu, ya ti, Faka isikela lako, u sike, ngokuba se si fikile isikati sako sokusika; ngokuba se komile uku-dhla komhlaba. Joeli 3. 13. Mat. 13. 39.

Jer. 51. 33.

16 Yena owa e hlala pezu kwefu wa faka isikela lake, wa vunwa umhlaba.

17 Nenye ingelosi ya puma etempelini la sezulwini, i nesikela elibukali nayo.

18 Nenye ingelosi ya puma elatini, i namandhla pezu komlilo; ya memeza ngezwi elikulu kuyo e bi nesikela elibukali, i ti, Faka isikela lako elibukali, u bute iziswenya zesivini somhlaba; ngokuba amavini awo a vutiwe.

isa. 16. 8. Joeli 3. 13.

19 Ingelosi ya faka isikela layo emhlabeni, ya buta ivini lomhlaba ya li ponsa esikamweni esikulu seivini solaka luka Tixo. isa. 19. 15.

20 Isikamo seivini sa nyatelwa ngapandhle komuzi kwa puma igazi esikamweni seivini la fika ematomini amahashi, la ya ibanga lamastadiu a inkulungwane namakulu a isitupa.

Isai. 63. 3. Isililo 1. 15. Heb. 13. 12.

isa. 11. 8. & 19. 14.

## ISAHLUKO 15.

**N**GA bona omunye umboniso ezulwini, omkulu, omangalisayo izingelosi ezi isikombisa zi neziuhlupo ezi isikombisa ezokupela; ngokuba ku pelele ngazo ulaka luka Tixo.

isa. 12. 1, 3. & 14. 10. & 16. 1. & 21. 9.

2 Nga bona, kwangati, ulwandhle lwesibuko si xubene nomlilo, naba be nqobe isilo, nomfanekiso waso, nopau lwaso, nesibalo segama laso, be mi pezu kolwandhle lwesibuko, be nezingubu zika Tixo. Mat. 3. 11.

isa. 4. 6. & 5. 8. & 13. 15-17. & 14. 2.

3 Ba hlabelela igama lika Mosi inceku ka Tixo, negama leUndhlu, ba ti, Mikulu, i ya mangalisa imisebenzi yako, Nkosi Tixo Somandhla; zi lungile, zi isiminya izindhla zako, Nkosi yezi-zwe. Eks. 15. 1. Dut. 31. 30. & 32. 4.

Hos. 14. 9. isa. 16. 7.

4 Ubani o nga yi kukwesaba wena, Nkosi, a li dumise igama lako na? ngokuba u ingewele wena wedwa; ngoku-

ba izizwe zonke zi ya kuza zi ku dumi-  
se; ngokuba nkwahlula kwako ku bo-  
nakalisiwe. Eks. 15. 14-16.

5 Emva kwaloku nga se ngi bona, item-  
peli lika tabanekele wokuqinisa la li  
vuliwe. Imib. 1. 50. isa. 11. 19.

6 Kwa puma etempelini izingelosi ezi  
isikombisa ezi nezinhlupo ezi isikombi-  
sa, zembete indwangu ehlanzekileyo  
enihlope, zi botyiwe ezifubeni ngamaba-  
nde egolide. Hez. 28. 6, 8. & 44. 17. isa. 1. 13.

7 Kwa ti esinye isidalwa ku lezo ezine  
sa zi nika izingelosi ezi isikombisa ama-  
gaba a isikombisa e gewele ulaka luka  
Tixo opilayo ku ze ku be pakade.

isa. 4. 6, 9. & 10. 6.

8 Itempeli la gewaliswa umusi u vela  
ekukazimuleni kuka Tixo, na sema-  
ndhleri ake; a kwa ba ko noyedwa o  
be namandhla okungena etempelini, zi  
nga ka peleli izinhlupo ezi isikombisa  
zezingelosi ezi isikombisa. Eks. 40. 34.

1 Ama. 8. 10. Isai. 6. 4.

### ISAHLUKO 16.

**N**GA se ngi zwa izwi elikulu li vela  
etempelini, li ti kuzo izingelosi ezi  
isikombisa, Hambani, ni ye, ni tulule  
emhlabeni amagaba a isikombisa olaka  
luka Tixo. isa. 14. 10. & 15. 1, 7.

2 Eyokuqala ya ya, ya tulula igaba layo  
emhlabeni; kwa vela isilonda esibi  
esinobuhlungu kubantu aba be nopau  
lwesilo, na kwabadumisayo umfanekiso  
waso. isa. 8. 7. & 13. 14-17. Eks. 9. 9-11.

3 Nengelosi yesibili ya tulula igaba layo  
elwandhle; lwa penduka igazi, kun-  
gati, elofileyo; za fa izilwane zonke za  
selwandhle. isa. 8. 8. Eks. 7. 17, 20.

4 Nengelosi yesitatu ya tulula igaba  
layo emifuleni na semitonjeni yamanzi  
ya penduka igazi. isa. 8. 10. Eks. 7. 20.

5 Ngezwa ingelosi yamanzi i ti, U lun-  
gile wena, Nkosi, o kona, owa e kona,  
o ingewele, ngokuba wabele loku.

isa. 1. 4. & 15. 3.

6 Ngokuba ba palazile igazi laba-  
ngewele, nelabaprofeti; u ba nikile iga-  
zi ukuba ba li puze; ba fanele loku.

Mat. 23. 34, 35. isa. 11. 18. & 13. 15. & 18. 20.

Isai. 49. 26.

7 Ngezwa izwi li vela elatini, li ti, Ye-  
bo, Nkosi Tixo Somandhla, ku qinisele  
ku lungile ukwahlula kwako.

isa. 15. 3. & 19. 2.

8 Neyesine ya tulula igaba layo ela-  
ngeni; la piwa amandhla okutyisa aba-  
ntu ngomlilo.

isa. 8. 12. & 9. 17.

9 Abantu ba tyiswa ngokubalela oku-  
kulu, ba li tela inhlamba igama lika  
Tixo, o namandhla pezu kwa lezizi-  
nhlupo; a ba pendukanga ukuba ba m  
dumise. Dan. 5. 23. isa. 11. 13.

10 Neyesihlanu ya tulula igaba layo  
esihlalweni sesilo; umbuso waso wa ba  
mnyama; ba luma izilimi zabo ngobu-  
hlungu, isa. 9. 2. & 11. 10. & 13. 2.

11 Ba m tela inhlamba uTixo wezulu  
ngobuhlungu babo, na ngezilonda zabo;  
kepa a ba pendukanga emisebenzini ya-  
bo.

12 Neyesitupa ya tulula igaba layo ku-  
wo umfala omkulu iUfrate; kwa tya  
amanzi awo, ukuba i lungiswe indhlela  
yamakosi a sempumalanga.

isa. 9. 14. Isai. 41. 2.

13 Nga bona omoya abatatu ababi,  
kwangati izingxangxa, be puma emlo-  
nyeni ka drako, na semlonnyeni wesilo,  
na semlonnyeni womprofeti wamanga.

1 John. 4. 1. isa. 12. 3. & 19. 20. & 20. 10.

14 Ngokuba be ngomoya bamademone  
abenzayo imimangaliso, be ya emakosi-  
ni omhlaba wonke, ukuba ba wa butele  
ekulweni kwa lomhla omkulu ka Tixo  
uSomandhla. 1 Tim. 4. 1.

isa. 13. 14. & 19. 20. & 17. 14. & 19. 19. & 20. 8.

15 Bheka, ngi yeza njengesela. U bu-  
sisiwe yena olindayo, a zi geine iziugubo  
zake, ukuba a nga hambize, ba bone  
ihlazo lake. Mat. 24. 43.

1 Tes. 5. 2. isa. 3. 3, 18. 2 Kor. 5. 3.

16 Ba wa butela ku leyondawo e tiwa  
uArmagedoni ngokwamaHeberu.

isa. 19. 19.

17 Neyesikombisa ya tulula igaba layo  
emoyeni; kwa vela izwi elikulu etempe-  
lini lezulu, esihlalweni sobukosi, li ti,  
ku pelile. isa. 21. 6.

18 Kwa ku kona unyazi, nokuhloko-  
ma nokuduma; kwa ku nokuzamazama  
komhlaba okukulu, oku nga zanga ku  
be kona okunjalo iloku abantu ba fika  
emhlabeni ukuzamazama okunje, oku-  
ngaka. isa. 4. 5. Dan. 12. 1.

19 Umuzi omkulu wa dabuka katatu,  
imizi yezizwe ya wa; iBabulona elikulu  
la kunjulwa pambi kuka Tixo, ukuba  
a li nike isitya sewaini lolaka lwake  
oluvutayo.

isa. 14. 8, 10. & 17. 18. & 18. 5.

20 Iziqingi zonke za baleka nezintaba  
a zi fuuyaniswanga. isa. 6. 14.

21 Sehla ezulwini isicoto esikulu, se-  
hlela pezu kwabantu amatye aso e nga-  
ngetalenta; abantu ba m tela inhlamba

uTixo ngenxa yenhlopo yesicoto; ngokuba inhlupo yaso ya inkulu kakulu.

isa. 11. 19. Eks. 9. 23-25.

## ISAHLUKO 17.

**K**WA ti enye ingelosi kuzo ezi isikombisa eza zi namagaba a isikombisa yeza, ya kuluma nami, i ti, Woza lapa; ngo ku bonisa ukulahlwa kwesifebe esikulu esi hlala pezu kwamanzi amaningi,

isa. 16. 19. & 19. 2. & 21. 9. Nah. 3. 4.

Jer. 51. 13.

2 Amakosi omhlaba a pinga naso, nabakileyo emhlabeni ba dakiswa ngewani lobufebe baso.

isa. 18. 3. Jer. 51. 7. isa. 14. 8. & 18. 3.

3 Ya ngi holela ehlane ngi nomoya; nga bona umfazi e kwele esilweni esibomvu, si gewele amagana enhlamba, si namakanda a isikombisa, nezimpondo ezi ishumi.

isa. 12. 3, 6, 14. & 13. 1.

4 Umfazi wa embete okunsundu nokubomvu, e hlobe ngegolide, na ngamanye amahle na ngamaparele, e pete isitya segolide esandhlani sake, si gewele okunengekayo namanyala obufebe bake.

Dan. 11. 38. Jer. 51. 7. isa. 14. 8.

& 18. 6, 12, 16.

5 Kwa ku lotyiwe ebunzini lake igama lokuti, IMFIHLAKALO IBABULONA ELIKULU, UNINA WEZIFEBE NOWOKUNENGEKAYO KOMHLABA.

2 Tes. 2. 7. isa. 18. 9. & 19. 2.

6 Nga bona umfazi e dakiwe igazi labangewele, negazi lofakazi baka Jesu; nga mangala nokumangala lapo ngi m bonayo.

isa. 16. 6. & 18. 24.

7 Ya ti ingelosi kimi, U mangaleleni na? Ngo ku tyela imfihlakalo yomfazi neyesilo esi m tweleyo, esi namakanda a isikombisa nezimpondo ezi ishumi.

8 Isilo owa si bonayo, sa si kona, ka si se ko, si ya kwenyuka emgodini o nge namkalo, si ye ekubujisweni; ba ya kumangala abakileyo emhlabeni, amagama abo a nga lotyiwe encwadini yokupila iloku kwa dabuka umhlaba, be bona isilo, ukuti, sa si kona, ka si se ko, si ya kuza.

isa. 11. 7. & 13. 3, 8, 10.

9 Naku ukwazi oku nokuqonda. Amakanda a isikombisa a izintaba ezi isikombisa, umfazi a hlala kuzo.

isa. 13. 1, 18.

10 A ngamakosi a isikombisa; ka se ko a isihlanu, enye i kona, enye a i ka fiki; nxa i si fikile nga i hlala isikatyana.

11 Isilo esa si kona, si nge ko, sona

lesi eyesishiyagalombili, si kuwo a isikombisa; so ya ekubujisweni.

12 Izimpondo ezi ishumi owa zi bonayo zi ngamakosi a ishumi, a nga kamkeli umbuso; kepa amkela amandhla njengamakosi ihora linye kanye nesilo.

Dan. 7. 20. Zek. 1. 18-21. isa. 13. 1.

13 Wona a nentando inye, a si nika isilo amandhla nobukosi bawo.

14 A ya kulwa neUndhlu, kepa iUndhlu lo wa nqoba; ngokuba li nguMbusi wababusi, neNkosi yamakosi; labo aba nalo ba ngababiziweyo, nabaketiweyo, nabesiminya.

isa. 16. 14. & 19. 16. Dut. 10. 17. 1 Tim. 6. 15.

15 Ya ti kimi, Amanzi owa wa bonayo, lapa si hlala kona isifebe, a ngabantu, nezixuku, nezilimi.

Isai. 8. 7. isa. 13. 7.

16 Izimpondo ezi ishumi owa zi bonayo, nesilo, lezi zi ya kuzonda isifebe, zi si cite, zi seuze si be ze, zi dhle inyama yaso, zi si tyise ngomlilo.

Jer. 50. 41, 42. Hez. 16. 37-44. isa. 18. 8, 16.

17 Ngokuba uTixo u bekile ezinhliziyweni zazo, ukuba zi yenze intando yake zeuze intando inye, zi si nike isilo umbuso wazo, a ze a gwaliseke amazwi ka Tixo.

2 Tes. 2. 11. isa. 10. 7.

18 Umfazi owa m bonayo u ngumuzi omkulu, o nombuso pezu kwamakosi.

## ISAHLUKO 18.

**E**MVA kwa loku nga bona enye ingelosi yehla ezulwini, i namandhla amakulu; umhlaba wa kanyiswa ukukazimula kwayo.

isa. 17. 1. Hez. 43. 2.

2 Ya memeza ngezwi elikulu, ya ti, Li wile, li wile iBabulona elikulu, li inhlalo yamademone, nendawo yomoya ababi bonke, nendawo yezinyoni zonke ezimbi neziningekayo.

isa. 14. 8. Isai. 13. 21. & 34. 14.

Jer. 50. 39. & 51. 37. Mark 5. 2.

3 Ngokuba izizwe zonke zi puzile iwaini lolaka lobufebe balo; amakosi omhlaba a pingile nalo; abatengi bomhlaba ba fuyile ngobuningi bezintu ezinhle zabo.

isa. 14. 8. & 17. 2. Isai. 47. 15.

4 Ngezwa elinye izwi li vela ezulwini, li ti, Pumani kulo, bantu bami, ukuba ni nga hlanguyeli izono zalo, nokuba ni ngamkeli ukuhlutywa kwalo.

Isai. 48. 20. 2 Kor. 6. 17.

5 Ngokuba izono zalo zi finyelele ezulwini; uTixo u kumbulile okubi kwalo.

Gen. 18. 20, 21. Jer. 51. 9. Jona 1. 2.

isa. 16. 19.

6 Li vuzeni njengalo li vuzile, ni pinde ni li nike kabili njengemisebenzi yalo; esityeni eli telile kuso, li teleni kabili. Izihl. 137. 8. Jer. 50. 15, 29.

& 51. 24, 49. 2. Tim. 4. 14.  
isa. 13. 10. & 14. 10. & 16. 19.

7 Njengokuzidumisa kwalo, nokuhlala kwalo ngobumnandi, li nikeni ukuhlupeka nokudabuka; ngokuba li tyo enhliziyweni yalo, Ngi hlala ngi inkosikazi, a ngi siye umfelokazi, a ngi so za nga bona ukudabuka. Hez. 28. 2-8.

Isai. 47. 7, 8. Zef. 2. 15.

8 Ngaloku ku za ku fika izinhlupeko zalo ngosuku luuye, ukufa, nokudabuka, nendhlala; li ya kutyiswa ngomlilo; ngokuba i namandhla iNkosi uTixo e lahlulelayo. Isai. 47. 9. Jer. 50. 34.

isa. 11. 17.

9 Amakosi omhlaba, a pinga e hlale ngobumnandi nalo, a ya kulikalela, a li lilele, nxa e bona umusi wokutya kwalo. Hez. 26. 16, 17. isa. 17. 2. & 19. 3.

Jer. 50. 46.

10 E mi kude ngokwesaba ukuhlu-tywa kwalo, e ti Maye! maye! umuzi omkulu iBabulona, umuzi o namandhla; ngokuba ngehora linye ku fikile ukulahlwa kwako. isa. 14. 8.

11 Abatengi bomhlaba ba ya kulila, ba kale ngalo ngokuba a ku ko muntu o sa tenga impahla yabo. Hez. 27. 36.

12 Impahla yegolide, neyesiliva, neyamaty amahle, neyamaparele, neyekampokwe, neyokunsundu, neyesiliki, neyokubomvu, nemit yonke yekitru, nezitya zonke zopondo lwendhlovu, nezitya zonke zemiti emihle, nezetusi, nezensimbi, nezamatye,

13 Nekinamona, neamomu, neziqolo, nemuro, nenhlaka, newaini, namafuta, nempupu, nokolweni, nezinkomo, nezimvu, namahashi, nezingqola, nezigqili, nemipefumlo yabantu. Hez. 27. 13.

14 Izitelo eya zi tandayo enhliziyoyako zi mukile kuwe, nako konke okuhle nokukazimulayo ku citekile u nga bi nako, a u so za wa ku fumana.

15 Abatengileyo nga loku, aba fuyile ngalo, ba za kuma kude ngokwesaba ukuhlutywa kwalo, be lila, be kala,

16 Be ti, Maye! maye! umuzi omkulu, owembete ikampokwe, nokunsundu, nokubomvu, owa hloba ngegolide na ngamatye amahle, ngamaparele;

isa. 17. 4.

17 Ngokuba ngehora linye umcebo o ngaka u citekile. Amakosi emikumbi

yonke, nabo bonke aba hamba emkunjini, nabantu bolwandhle, naba nemisebenzi elwandhle, bema kude, Hez. 27. 29.

18 Ba memeza, be bona umusi wokutya kwalo, ba ti, Umupi umuzi o njetga lomuzi omkulu? Hez. 27. 30, 31.

19 Ba tela utuli emakanda abo, ba memeza, be lila, be kala, be ti, Maye! maye! umuzi omkulu, aba cebile ngawo bonke aba nemikumbi elwandhle ngenxa yobuhle bawo! ngokuba ngehora linye li citekile. Josh. 7. 6.

1 Sam. 4. 12. Jobe 2. 12. Hez. 27. 30.

20 Tokozani ngawo, wena zulu, nani abangewe, nabapostoli, nabaprofeti; ngokuba uTixo u ni pindisele kuwo.

Jer. 51. 48. Luk. 11. 49, 50.

21 Kwa ti ingelosi e namandhla ya fukula itye, kwangati itye elikulu lokusila, ya li ponsa pakati kolwandhle, ya ti, Ku njalo lomuzi omkulu iBabulona wo ponswa, u nga be u sa funyaniswa.

Jer. 51. 64.

22 Izwi labatyaya ugubu, nelabahlabeleli, nelababeta amagendhle netilongo a li sa yi kuzwakala kuwe futi; abalumbi bemisebenzi a ba sa yi kufunyaniswa kuwe futi namunye; ukugaya etyeni lokusila a ku sa yi kuzwakala kuwe futi; Isai. 24. 8. Jer. 25. 10.

Hez. 26. 13.

23 Ukukanya kwesibani a ku sa yi kukanya pakati kwako futi; izwi lomnyeni nomakoti a li sa yi kuzwiwa kuwe futi; ngokuba abatengyo kuwe ba be izikulu zomhlaba; ngokuba ngokutakata kwako izizwe zonke zedusi-swe. Jer. 7. 34. & 16. 9. & 33. 11.

Isai. 23. 8. 2 Ama. 9. 22. Nah. 3. 4.

24 Kwa funyaniswa pakati kwalo igazi labaprofeti, nelabangewe, nelabo bonke aba bulewe emhlabeni.

Jer. 51. 49.

## ISAHLUKO 19.

**E**MVA kwa loku ngezwa, kwangati izwi elikulu lesixuku esikulu ezulwini, si ti, Alaluya; ukunqoba, nobukosi, nodumo, namandhla, ku ngokuka Tixo wetu; isa. 4. 11. & 7. 10.

& 11. 15. & 12. 10.

2 Ngokuba ukwahlula kwake ku qinile ku lungile; ngokuba u lahile isifebe esikulu esonakalisa umhlaba ngobufebe baso, u li pindisele igazi lezinceku zake kuso isandhla saso. Dut. 32. 43.

isa. 6. 10. & 16. 7. & 18. 20.



3 Sa pinda sa ti ngokwesibili, Aleluya, umusi waso wenyuka ku ze ku be pakade. Isai. 34. 10. isa. 14. 11. & 18. 9, 18.

4 Amalunga amashumi amabili hane, nezidalwa ezine, za kotama, za m dumisa uTixo owa e hlala esihlalweni sobukosi, zi ti, Ameni; Aleluya.

isa. 4. 4, 6, 10. & 5. 14.

5 Izwi la puma esihlalweni sobukosi, li ti, Dumisani uTixo wetu nina nonke, zinceku zake nani eni m esabayo, abancane nabakulu. Izihl. 134. 1. & 135. 1.

isa. 11. 18.

6 Ngezwa, kwangati izwi lesixuku esikulu, li njengezwi lamanzi amaningi, na njengezwi lokuduma okukulu, li ti, Aleluya; ngokuba iNkosi uTixo uSoma-dhla i ya busa. Hez. 1. 24. & 43. 2.

isa 11. 15.

7 A si jabule, si tokoze, si m bongee; ngokuba umtyado weUndhlu u fikile, umkalo u zilungisele. Mat. 22. 2. & 25. 10. 2 Kor. 11. 2.

8 Wa piwa ukuba embate indwangu ika kampokwe, enhle e kazimulayo, ngokuba indwangu ika kampokwe i ngukulunga kwabangcwele. Hez. 16. 10.

isa. 3. 18.

9 I tyo kimi i ti, Loba, u ti, Ba busisiwe abamenyelweyo emtimbeni weUndhlu. I ti kimi, Lawa a ngamazwi a isiminya ka Tixo. Luk. 14. 15.

isa. 21. 5. & 22. 6.

10 Nga kotama nga sezinyaweni zayo ukudumisa. Ya ti kimi, Musa ukwenzana njalo; ngi inceku kanye nawe, ngi ngowabazalwane bako, aba nokuqinisa kuka Jesu; m dumise uTixo; ngokuba ukuqinisa kuka Jesu ku ngumoya wokuprofeta.

isa. 22. 8, 9.

11 Nga bona izulu li vulekile; kwa ku kona ihashi elimhlope, naye o kwele pezu kwalo, o tiwa oTembekayo noSiminya; ngokulunga u yahlula, a lwe.

isa. 3. 14. & 6. 2. & 15. 5.

12 Amehlo ake a e njengelangabi lomlilo; kwa ku kona ekanda lake imiqele eminingi; wa e negama elilotyweyo, eli ngaziwa muntu, uyena kupela.

isa. 1. 14. & 2. 17, 18. & 6. 2.

13 Wembete ingubo e cwiliswe egazini; igama lake li tiwa, uLizwi ka Tixo.

Isai. 63. 2, 3. John. 1. 1.

14 Amabuto a sezulwini a m landela, e kwele pezu kwamahashi amhlope, embete ikampokwe elinhlope, elihle.

isa. 14. 20.

15 Ku puma emlonyeni wake iuke-

mba ebukali, ukuba a tyaye izizwe ngayo; u ya kuzibusa ngentonga yensimbi; u ya kunyatela isikamo sevinu lolaka lwentukutelo ka Tixo uSoma-dhla.

Isai. 11. 4. 2 Tes. 2. 8.

isa. 1. 16. & 2. 27.

16 U negama li lotyiwe engutyeni yake na setangeni lake, eli ti, iNkosi yamakosi noMbusi wababusi.

Dan. 2. 47. 1 Tim. 6. 15.

17 Nga bona ingelosi e mi elangeni; ya memeza ngezwi elikulu, i ti kuzo zonke izinyoni ezindizayo pakati ezulwini, Yizani, ni butane edilini elikulu lika Tixo; Hez. 39. 17.

18 Ukuba ni dhle inyama yamakosi, nenyama yeziinduna, nenyama yaba namandhla, nenyama yamahashi neyaba kwele pezu kwawo, nenyama yabo bonke abakululekileyo naba izigqili, abancane nabakulu. Hez. 39. 18, 20.

19 Nga bona isilo, namakosi omhlaba, namabuto awo a butene ukulwa naye owa e kwele ehashini namabuto ake.

isa. 16. 16.

20 Isilo sa banjwa kanye nomprofeti wamanga, owenza imimangaliso pambi kwaso, a bedusa ngayo abamkelayo upau lwesilo; nabadumisayo umfanekiso waso. Labo bobabili ba ponswa be sezwa ecibini lomlilo eli vuta isolufa.

isa. 13. 12, 15. & 14. 10. & 16. 13. & 20. 10.

& 21. 8.

21 Abaseleyo ba bulawa ngenkemba ya lowo owa e kwele ehashini, eya puma emlonyeni wake; izinyoni zonke za suta inyama yabo.

## ISAHLUKO 20.

**N**GA bona ingelosi yehla ezulwini i Npete isihlutulelo somgdo o nge namkaulo, nekatango esandhlени sayo.

isa. 1. 18. & 9. 1.

2 Ya m bamba udrako, inyoka endala, e nguDiaboli uSatani, ya m bopa iminyaka e inkulungwane, isa. 12. 9.

2 Pet. 2. 4.

3 Ya m ponsa emgodini o nge namkaulo, ya m valela, ya beka upau pezu kwake, ukuba a nga be e sedusa izizwe, i ze i pele iminyaka e inkulungwane, emva kwa loku nga e kunyulwe isikatyana. Dan. 6. 17.

4 Nga bona izihlalo zobukosi, ba hlala pezu kwazo, ba piwa ukwahlula, nga bona nemipfumlo yaba be nqunyiwe amakanda abo ngokuqinisa kuka Jesu, na ngezwi lika Tixo; nga bona naba

nga dumisanga isilo, nomfanekiso waso, aba ngamkelanga upau lwaso emabunzini abo, na sezandhleni zabo; ba hlala ba busa noKristu iminyaka e inkulungwane. Dan. 7. 9, 22, 27. Mat. 19. 28.

1 Kor. 6. 2, 3. isa. 6. 9. & 15. 16.

5 Kepa abanye kwabafileyo a ba pilanga ya za ya pela iminyaka e inkulungwane. Loku ku ngukuyuka kokuqala.

6 U busisiwe, u ingewele yena o hlanganyela ukuvuka kokuqala; ukufa kwesibili a ku namandhla pezu kwabanjalo; kepa ba ya kuba abapristi baka Tixo na baka Kristu, ba buse naye iminyaka e inkulungwane. isa. 2. 11. & 21. 8.

Isai. 61. 6. 1 Pet. 2. 9.

7 Lapo se i pelile iminyaka e inkulungwane, uSatani u ya kutukululwa ekubotyweni kwake;

8 A pumele ukwedusa izizwe ezi semagumbini anane omhlaba uGogi noMagogi, a zi butele ekulweni; ukuma kwazo ku njengesihlabati sa selwandhle ngokubalwa. Hez. 38. 2. & 39. 1.

isa. 16. 14.

9 Ba kupukela etafeni lomhlaba, ba haqa ikamu labangewele, nomuzi otandiweyo; kwehla umlilo kuTixo, u vela ezulwini, wa ba qeda.

Isai. 8. 8. Hez. 38. 9, 16.

10 Kwa ti uSatani owa bedusayo wa ponswa ecibini lomlilo nesolufa, lapo ku kona isilo nomprofeti wamanga; ba ya kuhlutywa imini nobusuku ku ze ku be pakade. isa. 14. 10, 11. & 19. 20.

11 Nga bona isihlalo sobukosi esikulu esimhlope, naye o hlezi kuso, okwa balekela ubuso bake izulu nomhlaba, a ku funyanisanga indawo. isa. 21. 1. Dan. 2. 35.

12 Nga bona abafileyo, abakulu nabanane, be mi pambi kuka Tixo; izi-ncwadi za penywa; nenye inewadi ya penywa, e incwadi yokupila; abafileyo bahlulwa nga loku oku lotyiweyo ezinwadini, njengemisebenzi yabo.

Dan. 7. 10. & 12. 1. isa. 3. 5. Jer. 17. 10.

Mat. 16. 27. Rome 2. 6. isa. 2. 23.

13 Ulwandhle lwa nikela abafileyo aba be kulo; ukufa nehaidease kwa nikela abafileyo aba be kuko; bahlulelwa bonke njengemisebenzi yabo. isa. 6. 8.

14 Ukufa nehaidease kwa ponswa ecibini lomlilo. Loku ku ukufa kwesibili.

1 Kor. 15. 26, 54, 55.

15 O nga funyaniswanga e lotyiwe enwadini yokupila wa ponswa ecibini lomlilo. isa. 19. 20.

NGA bona izulu elitya nomhlaba omuntya; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala wa be u dhlulile; a ku se ko nolwandhle.

Isai. 65. 17. & 66. 22. 2 Pet. 3. 13. isa. 20. 11.

2 Nga bona umuzi ongewele, iJerusalem elitya, wehla ezulwini kuTixo, u lungisiwe njengomakoti e hlobele indoda yake. Isai. 52. 1.

Heb. 11. 10. isa. 3. 12. Isai. 61. 10.

3 Ngezwa izwi elikulu li vela ezulwini, li ti, Bheka, utente ka Tixo u kona kubantu u ya kuhlala nabo, ba be abantu bake, yena uTixo a be nabo, a be uTixo wabo. Levi 26. 11, 12.

4 uTixo u ya kwesula izinyembezi emehlweni abo; a ku sa yi ku ba ko ukufa, nokudabuka, nokukala, nokuhlupeka a ku sa yi ku ba ko; ngokuba okokuqala ku dhlulile.

isa. 7. 17. & 20. 14. Isai. 35. 10. & 65. 19.

5 Wa tyo yena owa e hlala esihlalweni sobukosi, wa ti, Bheka, ngi kwenza konke ku be kutya. Wa ti, Loba; ngokuba lawamazwi a isiminya, a qinisile.

isa. 4. 2, 9. & 5. 1. & 20. 11. 2 Kor. 5. 17.

6 Wa ti kimi, Kwenziwe. Ng ingu-Alfa noOmega, ukuqala nokupela Ng ingu-kunika owomileyo, ukuba a puze ngesihle emtonjeni wamanzi okupila.

isa. 1. 8. & 16. 17. & 22. 13. Isai. 55. 1.

John. 4. 10, 14. & 7. 37.

7 O nqobayo u ya kulidhla ifa la loku; ngo ba uTixo wake, yena a be umntwanawami. Zek. 8. 8. Heb. 8. 10.

8 Kepa amagwala, nabangalwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabatakati, nabakonzayo izitombe, nabo bonke aba qamba manga, ba ya kwabelwa indawo ecibini eli vuta umlilo nesolufa, oku ngukufa kwesibili. Gal. 5. 20. Ef. 5. 5. 1 Tim. 1. 9. isa. 20. 14, 15. & 22. 15.

9 Kwa fika enye ingelosi kuzo ezi isikombisa, ezi namagaba a isikombisa a gwele izihlupo ezi isikombisa ezokupela, ya kuluma nami, ya ti, Woza lapa, ngo ku bonisa umakoti, umka Undhlu.

isa. 15. 1.

10 Ya muka nami, ngi nomoya, ya ngi zisa entabeni enkulu ende; ya ngi bonisa umuzi ongewele, iJerusalem, wehla ezulwini kuTixo.

isa. 17. 3. Hez. 48. 31-34.

11 U nokukazimula kuka Tixo; ukukanya kwawo kwa ku njengetye elihle kakulu, njengetye ijasipi elikanyisa okwesibuko, isa. 22. 5.

12 U nogange olukulu, olupakami-leyo; u namasango a ishumi nambili, nezingelosi ezi ishumi nambili emasangweni, namagama a lotyiwe pezu kwawo, a ngamagama ezizwe zamadodana ka Israeli;

13 Ngasempumalanga amasango amatatu, na ngasenyakato amasango amatatu, na ngaseningizimu amasango amatatu, na ngasentyonalanga amasango amatatu.

14 Ugange lomuzi lwa lu namatye okusekela a ishumi nambili, a e kona kuwo amagama abapostoli aba ishumi nambili beUndhlu. Ef. 2. 20.

15 Yona eya kuluma nami ya i nohlanga lwegolide lokulinganisa, ukuba i linganise umuzi, namasango awo nogange lwawo.

Hez. 40. 3. Zek. 2. 1. isa. 11. 1.

16 Umuzi wakiwe ngamagumbi amane, ubude bawo bu lingene nobubanzi bawo. Ya linganisa umuzi ngohlanga, amastadiu a izinkulungwane ezi ishumi nambili; ubude nobubanzi nokupakama kwawo ku lingene.

17 Ya linganisa ugange lwawo, izingalo ezi ikulu namashumi amane nane, isilinganiso somuntu, esengelosi.

18 Ugange lwawo lwakiwa ngejasipi; umuzi wakiwa ngegolide elihle, li nje-ngesibuko esihle.

19 Izisekelo zogange lomuzi za vunuliswa ngawo onke amatye amahle. Isisekelo sokuqala sa si ijasipi; esesibili, isafeiro; esesitatu, ikalkedoni; esesine, isimaragido; isa. 54. 11.

20 Esesihlanu, isardoniki; esesitupa, isardio; esesikombisa ikrusoliti; esesishiyagalombili iberule; esesishiyagolunye, itopazi; eseshumi ikrusoprasu; eseshumi nanye, ijakinto; eseshumi nambili, iametiste.

21 Amasango a ishumi nambili a ngamaparele a ishumi nambili; ilelosango la li iparele; indhlela yomuzi ya i igolide elihle, li njengesibuko esicwebileyo. isa. 22. 2.

22 A ngi bonanga itempeli kuwo; ngokuba iNkosi uTixo uSomandhla, i itempeli lawo, neUndhlu.

John. 4. 23.

23 Umuzi a u dingi ilanga nenyanga ukuba i kanye pakati kwawo; ngokuba ukukazimula kuka Tixo ku ya u kanyisa, neUndhlu li ngukukanya kwawo.

Isai. 24. 23. & 60. 19, 20. isa. 22. 5.

24 Izizwe zi ya kuhamba ngokukanya

kwawo; amakosi omhlaba a ya zisa kuwo ubukosi bawo nodumo lwawo.

Isai. 60. 3. & 66. 12.

25 Amasango awo a ka yi kuvalwa emini; (a bu ko ubusuku kona;)

Isai. 60. 11, 20. Zek. 14. 7. isa. 22. 5.

26 Ba ya kuzisa kuwo ubukosi nodumo lwezizwe.

27 A ku yi kungena nanye into embi, neyenza okunengekayo nokubi; kupela abalotyiweyo encwadini yokupila ye-Undhlu.

Isai. 35. 8. & 52. 1. & 60. 21.

Joeli 3. 17. isa. 22. 14, 15. Fil. 4. 3.

isa. 3. 5.

## ISAHLUKO 22.

WA ngi bonisa umfula wamanzi okupila, u gwebile njengekrustalo, u vela esihlalweni sobukosi sika Tixo ne-Undhlu. Hez. 47. 1. Zek. 14. 8.

2 Pakati kwendhlela yawo nomfula, ezinkunjini zombili, kwa ku kona umuti wokupila, u tela izitelo ezi ishumi nambili, u tela izitelo zawo zinyanga ngezinyanga; amaqabunga omuti a ngawokuqindisa izizwe. Hez. 47. 12.

isa. 21. 21, 24. Gen. 2. 9.

3 A ku sa yi kuba kona ukuqalekisa; isihlalo sobukosi sika Tixo neUndhlu si ya kuba kona kuwo; izinceku zake zi ya kumkonza,

Zek. 14. 11. Hez. 48. 35.

4 Zi bone ubuso bake; igama lake li ya kuba enamunzini azo. Mat. 5. 8.

1 Kor. 13. 12. 1 John. 3. 2. isa. 14. 1.

5 Ubusuku a bu sa yi kuba kona; a ba yi kudinga ukukanya kwesibani nokukanya kwelanga; ngokuba iNkosi uTixo i ya kubakanyisela; ba ya kubusa ku ze ku be pakade. isa. 21. 23, 25.

Izihl. 36. 9. & 84. 11. Dan. 7. 27.

Rome 5. 17. 2 Tim. 2. 12.

6 Ya ti kimi, Lawamazwi a isiminya, a qinisile; iNkosi uTixo wabaprofeti abangewele ya tuma ingelosi yayo, ukuba i bonise izinceku zayo loko oku za kwenzeka masinyane.

isa. 1. 1. & 19. 9. & 21. 5.

7 Bheka, ngi yeza masinyane; u busisiwe o gcinayo amazwi okuprofeta kwa lenewadi. isa. 1. 3. & 3. 11.

8 Mina Johane ngi uye owezwa wa bona loku; lapo ngezwa nga bona, nga kotama pansu, ukuba ngi dumise pambi kwezinyawo zengelosi eya ngi bonisa loku. isa. 19. 10.

9 Ya ti kimi, Musa ukwenza njalo; ngi inceku kanye nawe nabazalwane

bako abaprofeti, nabageinayo amazwi a lenewadi; m dumise uTixo.

10 Ya ti kimi, U nga namatelisi ngopau amazwi okuprofeta kwa lenewadi; ngokuba isikati si seduze. Dan. 8. 26. & 12. 4, 9. isa. 1. 3. & 10. 4.

11 O nga lungile a ka hlale e nga lungile; o nensila a hlale e nensila; olungileyo a hlale e ingewele.

Hez. 3. 27. Dan. 12. 10. 2 Tim. 3. 13.

12 Bheka, ngi yeza masinyane; ngi za nokuvuza kwami, ukuba ngi m nike ilowo njengomsebenzi wake.

Isai. 40. 10. & 62. 11. isa. 20. 12.

13 Ngi nguAlfa noOmega, owokuqala nowokupela, ukuqala nokupela.

Isai. 41. 4. & 48. 12. isa. 1. 8, 11.

14 Ba busisiwe abageinayo imiyalo yake, ba ze ba be nendawo emtini wokupila, ba ngene emzini ngamasango.

Dan. 12. 12. 1 John. 3. 24. isa. 21. 27.

15 Ngapandhle ku kona izinja, nabatakati, nezifebe, nababulali, nabakonza izitombe, nabo bonke aba ku tandayo naba kwenzayo okubi.

1 Kor. 6. 9. Gal. 5. 21. Kol. 3. 6. isa. 21. 8. Fil. 3. 2.

16 Mina Jesu ngi tumile ingelosi yami

278

ukuqinisa loku kini emabandhlени. Ngi impande nenzalo ka Davida, inkanyezi ekazimulayo yokusa.

isa. 1. 1. & 2. 28. & 5. 5. Imib. 24. 17.

Zek. 6. 12. 2 Pet. 1. 19.

17 uMoya noMakoti ba tyo ba ti, Woza. Naye ozwayo a ka tyo ukuti, Woza. A keze owomileyo. Otandayo ka tabate amanzi okupila ngesihle.

isa. 21. 2, 6. Isai. 55. 1. John. 7. 37.

18 Ngi ya qinisa kubo bonke abezwayo amazwi okuprofeta kwa lenewadi, Uma umuntu ezezela kuwo, uTixo u ya kwezezela kuye izinhlupo ezi lotyiwe ku lenewadi;

Dut. 4. 2. & 12. 32.

19 Uma umuntu e pungula kuwo amazwi enewadi ya lokukuprofeta, uTixo u ya kupungula ukwabelwa kwake emtini wokupila, na semzini ongewele, kokulotyiwe ku lenewadi.

Eks. 32. 33. isa. 3. 5. & 13. 8. & 21. 2.

20 U tyo oqinisayo loku, u ti, Yebo, ngi yeza masinyane; Amen. Yebo, yiza, Nkosi Jesu.

2 Tim. 4. 8.

21 Umusa weNkosi uJesu Kristu ma u be kubo bonke abangewele. Amen.

Rome 16. 20, 24. 2 Tes. 3. 18.



## ISIKATI, IZAHLUKO ZASO NGOKWABAJUDA.

Isilindo sokuqala ku qala ekutyoneni kwelanga ku ze ku be 10 P. M.			
Isilindo esi pakati.....	10 P. M.	.. ..	2 A. M.
Isilindo sika kusasa.....	2 A. M.	.. ..	ukupuma kwelanga.

Ukusa ku suke ekupumoni kwelanga ku ze ku be ku nga ti 10 A. M.		
Ukufudumala kosuku.....	10 A. M. ku nga ti 3 P. M.	
Ukupola kosuku.....	3 P. M. ku ze ku be ukutyona kwelanga.	

### UBUSUKU (ITESTAMENTE ELITYA).

Isilindo sokuqala.....	ku suke 6 P. M. ku ze ku be 9 P. M.
Isilindo sesibili.....	.. 9 P. M. .. .. 12 P. M.
Isilindo sobutatu.....	.. 12 A. M. .. .. 3 P. M.
Isilindo sobune.....	.. 3 A. M. .. .. 6 A. M.

### USUKU (ITESTAMENTE ELITYA).

Ihora lokuqala.....	ku suke 6 A. M. ku ze ku be 7 A. M.
Ihora lobutatu.....	.. 8 A. M. .. .. 9 A. M.
Ihora lesitupa.....	.. 11 A. M. .. .. 12 A. M.
Ihora lesishiyagalolunye.....	.. 2 P. M. .. .. 3 P. M.
Ihora leshumi nanye.....	.. 4 P. M. .. .. 5 P. M.

## IMALI (ITESTAMENTE ELIDALA).

### ISILIVA.

	£.	s.	D.
iGera ku lingene.....	0	0	1.25
amaGera a ishumi a lingene neBeka.....	0	1	1.75
amaBeka amabili a lingene neShekeli.....	0	2	3.5
amaShekeli a ngamashumi a isitupa a lingene neMane.....	5	14	7.
amaMane a ngamashumi a isihlanu a lingene neTalanta.....	342	3	9.

## IMALI (ITESTAMENTE ELIDALA).

### IGOLIDE.

	£.	s.	D.
iGera ku lingene.....	0	0	1.3687
amaGera a ishumi a lingene neBeka.....	0	1	1.6875
amaBeka amabili a lingene neShekeli.....	0	2	3.375
amaShekeli a ngamashumi a isitupa a lingene neMane.....	5	14	0.75
amaMane a ngamashumi a isihlanu a lingene neTalanta.....	342	3	9.
iDrame, imali la sePersia ku lingene.....	1	1	10.

## IMALI (ITESTAMENTE ELITYA.)

	£.	s.	D.
Uhlamvu lwesiliva ( <i>Argurion</i> ) ku lingene.....	0	2	3.5
Uhlamvu lwesiliva ( <i>Drakmo</i> ).....	0	0	7.
Upeni imali lesiliva ( <i>Denarius</i> ).....	0	0	7.
Ifadingi imali yedibilitye ( <i>Assarion</i> ).....	0	0	0.75
Ifadingi imali yedibilitye ( <i>Quadrans</i> ).....	0	0	0.2
Imite, imalana ( <i>Lepton</i> ).....	0	0	0.1

## IZISINDO, NGOKWABAJUDA.

	LBS.	OZ.	DRAM.	GRS.
iGera ku lingene.....	0	0	0	12.62
amaGera a ishumi a lingene neBeka.....	0	0	4	17.
amaBeka amabili a lingene neShekill.....	0	0	9	7.
amaShekeli a ngamashumi a isitupa a iMane.....	2	2	10	0.
amaMane a ngamashumi a isitupa a lingene neTalanta..	129	15	0	0.

## IZILINGANISO, NGOKWABAJUDA.

	YDS.	FT.	IN.
Isilinganiso somunwe oku tiwa ( <i>iDigite</i> ) ku lingene.....	0	0	0.79
Isilinganiso sesanhlala esi amaDigite amane.....	0	0	3.17
iSpani isilinganiso sezanhla ezintatu.....	0	0	9.52
iKubiti eli amaSpani amabili.....	0	1	7.05
amaKubiti a isitupa ( <i>iReed</i> ).....	0	9	6.31
iStadiu.....	202	0	9.
iMile.....	1618	0	0.